BÍBLIA

Ibhayibheli Elingcwele

Versão Bilingue

Português – Zulu

Em Português – Almeida Revista e Atualizada
Em Zulu - IBhayibheli Elingcwele (1959/1997 Version)

2020

BÍBLIA

Ibhayibheli Elingcwele

Versão Bilingue

Português – Zulu

Em Português – Almeida Revista e Atualizada
Em Zulu - IBhayibheli Elingcwele (1959/1997 Version)

2020

Índice dos Livros da Bíblia

Velho Testamento	Itestamente Elidala	
Naum	UNahume	2.744
Habacuque	UHabakuki	2.750
Sofonias	UZefaniya	2.757
Ageu	UHagayi	2.765
Zacarias	UZakariya	2.771
Malaquias	UMalaki	2.800

Novo Testamento	Itestamente Elisha	
Mateus	NgokukaMathewu	2.808
Marcos	NgokukaMarku	2.921
Lucas	NgokukaLuka	2.993
João	NgokukaJohane	3.114
Atos	IzEnzo	3.203
Romanos	KwabaseRoma	3.319
1 Coríntios	1 kwabaseKorinte	3.368
2 Coríntios	2 kwabaseKorinte	3.416
Gálatas	KwabaseGalathiya	3.448
Efésios	Kwabase-Efesu	3.464
Filipenses	KwabaseFilipi	3.480
Colossenses	KwabaseKolose	3.492
1 Tessalonicenses	1 kwabaseThesalonika	3.503
2 Tessalonicenses	2 kwabaseThesalonika	3.514
1 Timóteo	1 kuThimothewu	3.520
2 Timóteo	2 kuThimothewu	3.533
Tito	KuThithu	3.543
Filemon	KuFilemoni	3.549
Hebreos	KumaHeberu	3.552
Tiago	EkaJakobe	3.588
1 Pedro	1 kaPetru	3.600
2 Pedro	2 kaPetru	3.613
1 João	1 kaJohane	3.621
2 João	2 kaJohane	3.634
3 João	3 kaJohane	3.636
Judas	EkaJuda	3.638
Apocalipse	IsAmbulo	3.642

VERSÃO BILINGUE

Português – Zulu

VELHO TESTAMENTO

Português

Almeida Revista e Atualizada

O primeiro livro de Moisés chamado Gênesis

Gênesis 1

A criação dos céus e da terra e de tudo o que neles há

[1] No princípio, criou Deus os céus e a terra.

[2] A terra, porém, estava sem forma e vazia; havia trevas sobre a face do abismo, e o Espírito de Deus pairava por sobre as águas.

[3] Disse Deus: Haja luz; e houve luz.

[4] E viu Deus que a luz era boa; e fez separação entre a luz e as trevas.

[5] Chamou Deus à luz Dia e às trevas, Noite. Houve tarde e manhã, o primeiro dia.

[6] E disse Deus: Haja firmamento no meio das águas e separação entre águas e águas.

[7] Fez, pois, Deus o firmamento e separação entre as águas debaixo do

ITESTAMENTE ELIDALA

Zulu

IBhayibheli Elingcwele 1959/1997 Version

UGenesise

UGenesise 1

Ukudalwa

[1] Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.

[2] Umhlaba wawuyihlane elingenalutho; kwakungubumnyama phezu kotwa, kepha uMoya kaNkulunkulu wehla wenyuka phezu kwamanzi.

[3]UNkulunkulu wathi: Makube khona ukukhanya, kwaba khona ukukhanya.

[4]UNkulunkulu wabona ukukhanya ukuthi kuhle; uNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya nobumnyama.

[5]UNkulunkulu wabiza ukukhanya ngokuthi imini; ubumnyama wabubiza ngokuthi ubusuku. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lokuqala.

[6] UNkulunkulu wathi: Makube khona umkhathi phakathi kwamanzi, kwahlukaniswe amanzi namanzi.

[7] UNkulunkulu wenza umkhathi, wahlukanisa amanzi aphansi komkhathi namanzi aphezu komkhathi; kwaba njalo.

firmamento e as águas sobre o firmamento. E assim se fez.

8 E chamou Deus ao firmamento Céus. Houve tarde e manhã, o segundo dia.

9 Disse também Deus: Ajuntem-se as águas debaixo dos céus num só lugar, e apareça a porção seca. E assim se fez.

10 À porção seca chamou Deus Terra e ao ajuntamento das águas, Mares. E viu Deus que isso era bom.

11 E disse: Produza a terra relva, ervas que dêem semente e árvores frutíferas que dêem fruto segundo a sua espécie, cuja semente esteja nele, sobre a terra. E assim se fez.

12 A terra, pois, produziu relva, ervas que davam semente segundo a sua espécie e árvores que davam fruto, cuja semente estava nele, conforme a sua espécie. E viu Deus que isso era bom.

13 Houve tarde e manhã, o terceiro dia.

14 Disse também Deus: Haja luzeiros no firmamento dos céus, para fazerem separação entre o dia e a noite; e sejam eles para sinais, para estações, para dias e anos.

15 E sejam para luzeiros no firmamento dos céus, para alumiar a terra. E assim se fez.

16 Fez Deus os dois grandes luzeiros: o maior para governar o dia, e o menor para

8UNkulunkulu wabiza umkhathi ngokuthi izulu. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesibili.

9 UNkulunkulu wathi: Amanzi aphansi kwezulu mawaqoqekele ndawonye, kubonakale umhlabathi owomileyo, kwaba njalo.

10Okomileyo uNkulunkulu wakubiza ngokuthi umhlaba, nokuqoqeka kwamanzi wakubiza ngokuthi ulwandle; uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

11UNkulunkulu wathi: Umhlaba mawuveze utshani, nemifino ethela imbewu, nemithi yezithelo ethela izithelo ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo, emhlabeni, kwaba njalo.

12Umhlaba wawusuveza utshani nemifino ethela imbewu ngezinhlobo zayo, nemithi ethela izithelo ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo; uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

13Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesithathu.

14 UNkulunkulu wathi: Makube khona emkhathini wezulu izinkanyiso ezahlukanisa imini nobusuku, zibe yizibonakaliso zezinkathi, nezezinsuku, nezeminyaka,

15zibe yizinkanyiso emkhathini wezulu zokukhanyisa emhlabeni, kwaba njalo.

16UNkulunkulu wazenza izinkanyiso ezimbili ezinkulu, inkanyiso enkulu ukuba

governar a noite; e fez também as estrelas.

[17] E os colocou no firmamento dos céus para alumiarem a terra,

[18] para governarem o dia e a noite e fazerem separação entre a luz e as trevas. E viu Deus que isso era bom.

[19] Houve tarde e manhã, o quarto dia.

[20] Disse também Deus: Povoem-se as águas de enxames de seres viventes; e voem as aves sobre a terra, sob o firmamento dos céus.

[21] Criou, pois, Deus os grandes animais marinhos e todos os seres viventes que rastejam, os quais povoavam as águas, segundo as suas espécies; e todas as aves, segundo as suas espécies. E viu Deus que isso era bom.

[22] E Deus os abençoou, dizendo: Sede fecundos, multiplicai-vos e enchei as águas dos mares; e, na terra, se multipliquem as aves.

[23] Houve tarde e manhã, o quinto dia.

[24] Disse também Deus: Produza a terra seres viventes, conforme a sua espécie: animais domésticos, répteis e animais selváticos, segundo a sua espécie. E assim se fez.

[25] E fez Deus os animais selváticos, segundo a sua espécie, e os animais domésticos, conforme a sua espécie, e todos os répteis da terra, conforme a sua espécie. E viu Deus que isso era bom.

ibuse imini, nenkanyiso encane ukuba ibuse ubusuku, kanye nezinkanyezi.

[17]UNkulunkulu wazifaka emkhathini wezulu ukuba zikhanyise emhlabeni,

[18]zibuse imini nobusuku, zahlukanise ukukhanya nobumnyama. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

[19]Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesine.

[20]UNkulunkulu wathi: Amanzi mawagcwale uswebezane lwezilwane eziphilayo, kundize izinyoni phezu komhlaba emkhathini wezulu.

[21]UNkulunkulu wadala imikhomo emikhulu nezilwane zonke eziphilayo ezihambayo, amanzi agcwala zona ngezinhlobo zazo, nezinyoni zonke ezinamaphiko ngezinhlobo zazo. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

[22]UNkulunkulu wazibusisa, wathi: Zalani, nande, nigcwalise amanzi aselwandle, nezinyoni zande emhlabeni.

[23]Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesihlanu.

[24]UNkulunkulu wathi: Umhlaba mawuveze izilwane eziphilayo ngezinhlobo zazo, izinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezilo zomhlaba ngezinhlobo zazo, kwaba njalo.

[25]UNkulunkulu wazenza izilo zomhlaba ngezinhlobo zazo, nezinkomo ngezinhlobo zazo, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni ngezinhlobo zazo. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

[26] Também disse Deus: Façamos o homem à nossa imagem, conforme a nossa semelhança; tenha ele domínio sobre os peixes do mar, sobre as aves dos céus, sobre os animais domésticos, sobre toda a terra e sobre todos os répteis que rastejam pela terra.

[27] Criou Deus, pois, o homem à sua imagem, à imagem de Deus o criou; homem e mulher os criou.

[28] E Deus os abençoou e lhes disse: Sede fecundos, multiplicai-vos, enchei a terra e sujeitai-a; dominai sobre os peixes do mar, sobre as aves dos céus e sobre todo animal que rasteja pela terra.

[29] E disse Deus ainda: Eis que vos tenho dado todas as ervas que dão semente e se acham na superfície de toda a terra e todas as árvores em que há fruto que dê semente; isso vos será para mantimento.

[30] E a todos os animais da terra, e a todas as aves dos céus, e a todos os répteis da terra, em que há fôlego de vida, toda erva verde lhes será para mantimento. E assim se fez.

[31] Viu Deus tudo quanto fizera, e eis que era muito bom. Houve tarde e manhã, o sexto dia.

Gênesis 2

[1] Assim, pois, foram acabados os céus e a terra e todo o seu exército.

[26] UNkulunkulu wathi: Masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze, babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezinkomo, nomhlaba wonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni.

[27] UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe; wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesifazane.

[28]UNkulunkulu wababusisa; uNkulunkulu wathi kubo: Zalani, nande, nigcwalise umhlaba, niwunqobe, nibuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni.

[29]UNkulunkulu wathi: Bhekani, ngiyaninika yonke imifino ethela imbewu, esemhlabeni wonke, nemithi yonke okukuyo izithelo zomuthi oveza imbewu, kube ngukudla kwenu.

[30] Kepha zonke izilwane zomhlaba, nezinyoni zonke zezulu, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni, eziphefumulayo, zona nginike yonke imifino eluhlaza ibe ngukudla, kwaba njalo.

[31]UNkulunkulu wabona konke akwenzileyo; bheka, kwakukuhle kakhulu. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesithupha.

UGenesise 2

Usuku lwesikhombisa

[1]Kwase kupheleliswa izulu nomhlaba kanye nombuthano wakho wonke.

[2] E, havendo Deus terminado no dia sétimo a sua obra, que fizera, descansou nesse dia de toda a sua obra que tinha feito.

[3] E abençoou Deus o dia sétimo e o santificou; porque nele descansou de toda a obra que, como Criador, fizera.

A formação do homem

[4] Esta é a gênese dos céus e da terra quando foram criados, quando o SENHOR Deus os criou.

[5] Não havia ainda nenhuma planta do campo na terra, pois ainda nenhuma erva do campo havia brotado; porque o SENHOR Deus não fizera chover sobre a terra, e também não havia homem para lavrar o solo.

[6] Mas uma neblina subia da terra e regava toda a superfície do solo.

[7] Então, formou o SENHOR Deus ao homem do pó da terra e lhe soprou nas narinas o fôlego de vida, e o homem passou a ser alma vivente.

[8] E plantou o SENHOR Deus um jardim no Éden, na direção do Oriente, e pôs nele o homem que havia formado.

[9] Do solo fez o SENHOR Deus brotar toda sorte de árvores agradáveis à vista e boas para alimento; e também a árvore da vida

[2] UNkulunkulu waqeda ngosuku lwesikhombisa imisebenzi yakhe abeyenzile; waphumula ngosuku lwesikhombisa emisebenzini yakhe yonke abeyenzile.

[3]UNkulunkulu wabusisa usuku lwesikhombisa, walungcwelisa, ngokuba ngalolo suku waphumula emisebenzini yonke abeyidalile uNkulunkulu, wayenza.

[4]Lokhu kungumlando wokudalwa kwezulu nomhlaba ekudalweni kwakho mhla uJehova uNkulunkulu ewenza umhlaba nezulu.

[5]Kwakungakabikho sihlahla endle, namifino yayingakamili emhlabathini, ngokuba uJehova uNkulunkulu wayengakanisi imvula emhlabeni, kungakabikho muntu wokulima umhlabathi.

[6]Kepha kwenyuka inkungu ivela emhlabathini, yanisela ubuso bonke bomhlaba.

[7] UJehova uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila; kanjalo umuntu waba umphefumulo ophilayo.

Insimu yase-Edene

[8]UJehova uNkulunkulu watshala insimu e-Edene ngasempumalanga; wambeka khona umuntu amenzileyo.

[9]UJehova uNkulunkulu wahlumisa emhlabathini imithi yonke ebukekayo, emihle, edliwayo, nomuthi wokuphila

no meio do jardim e a árvore do conhecimento do bem e do mal.

10 E saía um rio do Éden para regar o jardim e dali se dividia, repartindo-se em quatro braços.

11 O primeiro chama-se Pisom; é o que rodeia a terra de Havilá, onde há ouro.

12 O ouro dessa terra é bom; também se encontram lá o bdélio e a pedra de ônix.

13 O segundo rio chama-se Giom; é o que circunda a terra de Cuxe.

14 O nome do terceiro rio é Tigre; é o que corre pelo oriente da Assíria. E o quarto é o Eufrates.

15 Tomou, pois, o SENHOR Deus ao homem e o colocou no jardim do Éden para o cultivar e o guardar.

16 E o SENHOR Deus lhe deu esta ordem: De toda árvore do jardim comerás livremente,

17 mas da árvore do conhecimento do bem e do mal não comerás; porque, no dia em que dela comeres, certamente morrerás.

A formação da mulher

18 Disse mais o SENHOR Deus: Não é bom que o homem esteja só; far-lhe-ei uma auxiliadora que lhe seja idônea.

19 Havendo, pois, o SENHOR Deus formado da terra todos os animais do campo e todas as aves dos céus, trouxe-os ao homem, para ver como este lhes chamaria; e o nome que o homem desse a todos os seres viventes, esse seria o nome deles.

phakathi nensimu, nomuthi wokwazi okuhle nokubi.

10E-Edene kwavela umfula owamanzisa insimu; wahlukana khona, waba yizimbaxa ezine.

11Eyokuqala inegama lokuthi iPishoni; yiyo ezungeza izwe lonke laseHavila, lapho kukhona igolide.

12Lihle igolide lalelo zwe. Kukhona nenhlaka yebedola netshe leshohamu lapho.

13Igama leyesibili linguGihoni; yiyo ezungeza lonke izwe laseKushe.

14Igama leyesithathu linguHidekeli; yiyo egobhoza ngasempumalanga kwase-Asiriya. Eyesine ingu-Ewufrathe.

15UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu, wambeka ensimini yase-Edene ukuba ayilime, ayigcine.

16UJehova uNkulunkulu wamyala umuntu, wathi: Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho,

17kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.

Ukudalwa kowesifazane

18 UJehova uNkulunkulu wathi: Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa. Ngizakumenzela umsizi onjengaye.

19UJehova uNkulunkulu wabumba ngomhlabathi zonke izilwane zasendle nezinyoni zonke zezulu, waziyisa kumuntu ukuba abone ukuthi umuntu angaziqamba ngokuthini, ukuze kuthi, njengalokhu umuntu eziqamba zonke izilwane eziphilayo, lokhu kube ngamagama azo.

[20] Deu nome o homem a todos os animais domésticos, às aves dos céus e a todos os animais selváticos; para o homem, todavia, não se achava uma auxiliadora que lhe fosse idônea.

[21] Então, o SENHOR Deus fez cair pesado sono sobre o homem, e este adormeceu; tomou uma das suas costelas e fechou o lugar com carne.

[22] E a costela que o SENHOR Deus tomara ao homem, transformou-a numa mulher e lha trouxe.

[23] E disse o homem: Esta, afinal, é osso dos meus ossos e carne da minha carne; chamar-se-á varoa, porquanto do varão foi tomada.

[24] Por isso, deixa o homem pai e mãe e se une à sua mulher, tornando-se os dois uma só carne.

[25] Ora, um e outro, o homem e sua mulher, estavam nus e não se envergonhavam.

[20]Umuntu waziqamba amagama zonke izinkomo, nezinyoni zezulu, nezilwane zasendle. Kepha umuntu akatholelwanga umsizi onjengaye.

[21]UJehova uNkulunkulu wamehlisela umuntu ubuthongo obunzima, walala; wayesethatha olunye lwezimbambo zakhe, wavala indawo ngenyama.

[22] UJehova uNkulunkulu wakha owesifazane ngobambo abeluthathile kumuntu, wamyisa kumuntu.

[23]Wayesethi umuntu: Lo useyithambo lamathambo ami nenyama yenyama yami; uyakubizwa ngokuthi indodakazi, ngokuba uthathwe endodeni.

[24] Ngalokho indoda iyakushiya uyise nonina, inamathele kumkayo; bayakuba nyamanye.

[25]Babehamba ze bobabili, u-Adamu nomkakhe, bengenamahloni.

Gênesis 3

A queda do homem

[1] Mas a serpente, mais sagaz que todos os animais selváticos que o SENHOR Deus tinha feito, disse à mulher: É assim que Deus disse: Não comereis de toda árvore do jardim?

[2] Respondeu-lhe a mulher: Do fruto das árvores do jardim podemos comer,

[3] mas do fruto da árvore que está no meio do jardim, disse Deus: Dele não comereis, nem tocareis nele, para que não morrais.

UGenesise 3

Ukuwela esonweni

[1] Inyoka yayinobuqili kunazo zonke izilwane zasendle abezenzile uJehova uNkulunkulu. Yathi kowesifazane: Ngempela uNkulunkulu ushilo yini ukuthi: Ningadli emithini yasensimini, na?

[2]Owesifazane wathi enyokeni: Singadla izithelo zemithi yasensimini,

[3]kepha ngezithelo zomuthi ophakathi nensimu uNkulunkulu ushilo ukuthi: Ningazidli, ningazithinti ukuba ningafi.

[4] Então, a serpente disse à mulher: É certo que não morrereis.

[5] Porque Deus sabe que no dia em que dele comerdes se vos abrirão os olhos e, como Deus, sereis conhecedores do bem e do mal.

[6] Vendo a mulher que a árvore era boa para se comer, agradável aos olhos e árvore desejável para dar entendimento, tomou-lhe do fruto e comeu e deu também ao marido, e ele comeu.

[7] Abriram-se, então, os olhos de ambos; e, percebendo que estavam nus, coseram folhas de figueira e fizeram cintas para si.

[8] Quando ouviram a voz do SENHOR Deus, que andava no jardim pela viração do dia, esconderam-se da presença do SENHOR Deus, o homem e sua mulher, por entre as árvores do jardim.

[9] E chamou o SENHOR Deus ao homem e lhe perguntou: Onde estás?

[10] Ele respondeu: Ouvi a tua voz no jardim, e, porque estava nu, tive medo, e me escondi.

[11] Perguntou-lhe Deus: Quem te fez saber que estavas nu? Comeste da árvore de que te ordenei que não comesses?

[12] Então, disse o homem: A mulher que me deste por esposa, ela me deu da árvore, e eu comi.

[13] Disse o SENHOR Deus à mulher: Que é isso que fizeste? Respondeu a mulher: A serpente me enganou, e eu comi.

[4]Inyoka yathi kowesifazane: Aniyikufa nokufa;

[5]kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu, nibe njengoNkulunkulu, nikwazi okuhle nokubi.

[6] Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka emehlweni, nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni, wathatha izithelo zawo, wadla, wanika nendoda yakhe kanye naye, nayo yadla.

[7]Ayesevuleka amehlo abo bobabili, babona ukuthi bahamba ze; bathunga amaqabunga omkhiwane, bazenzela izibhinco.

[8]Base bezwa izwi likaJehova uNkulunkulu ehamba ensimini kusihlwa ngokuphola kwelanga; u-Adamu nomkakhe bacasha ebusweni bukaJehova uNkulunkulu phakathi kwemithi yensimu.

[9]Kepha uJehova uNkulunkulu wambiza u-Adamu, wathi kuye: Uphi na?

[10]Wathi: Ngizwe izwi lakho ensimini, ngesaba ngokuba ngihamba ze; ngalokho ngacasha.

[11]Khona wathi: Ngubani owakutshela ukuthi uhamba ze na? Udlile kulowo muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo na?

[12]U-Adamu wathi: Owesifazane, owangipha yena ukuba abe nami, unginikile kuwo umuthi, ngadla.

[13]UJehova uNkulunkulu wathi kowesifazane: Yini lokhu okwenzileyo na?

Owesifazane wathi: Inyoka ingikhohlisile, ngadla.

14 Então, o SENHOR Deus disse à serpente: Visto que isso fizeste, maldita és entre todos os animais domésticos e o és entre todos os animais selváticos; rastejarás sobre o teu ventre e comerás pó todos os dias da tua vida.

14UJehova uNkulunkulu wathi enyokeni: Njengokuba usukwenzile lokho, uqalekisiwe phakathi kwezilwane zonke naphakathi kwazo zonke izilwane zasendle; uzakuhamba ngesisu sakho, udle uthuli izinsuku zonke zokuhamba kwakho.

15 Porei inimizade entre ti e a mulher, entre a tua descendência e o seu descendente. Este te ferirá a cabeça, e tu lhe ferirás o calcanhar.

15 Ngizakubeka ubutha phakathi kwakho nowesifazane, naphakathi kwenzalo yakho nenzalo yakhe. Yona iyakuchoboza ikhanda lakho, wena uyakulimaza isithende sayo.

16 E à mulher disse: Multiplicarei sobremodo os sofrimentos da tua gravidez; em meio de dores darás à luz filhos; o teu desejo será para o teu marido, e ele te governará.

16Wathi kowesifazane: Ngizakukubangela ubuhlungu obukhulu ekukhulelweni kwakho; uyakubeletha abantwana ngobuhlungu. Ukunxanela kwakho kuyakuba sendodeni yakho; yona iyakukubusa.

17 E a Adão disse: Visto que atendeste a voz de tua mulher e comeste da árvore que eu te ordenara não comesses, maldita é a terra por tua causa; em fadigas obterás dela o sustento durante os dias de tua vida.

17 Wayesethi ku-Adamu: Njengokuba ulalele izwi lomkakho, wadla kulowo muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo, ngalokho umhlabathi uqalekisiwe ngenxa yakho. Uyakudla kuwo ngokukhathazeka zonke izinsuku zokuhamba kwakho.

18 Ela produzirá também cardos e abrolhos, e tu comerás a erva do campo.

18Uyakukuvezela ameva namakhakhasi, wena udle imifino yasendle.

19 No suor do rosto comerás o teu pão, até que tornes à terra, pois dela foste formado; porque tu és pó e ao pó tornarás.

19 Ngesithukuthuku sobuso bakho uyakudla isinkwa sakho, uze ubuyele emhlabathini, lokhu wathathwa kuwo; ngokuba ungumhlabathi, uyakuphenduka umhlabathi.

[20] E deu o homem o nome de Eva a sua mulher, por ser a mãe de todos os seres humanos.

[21] Fez o SENHOR Deus vestimenta de peles para Adão e sua mulher e os vestiu.

[22] Então, disse o SENHOR Deus: Eis que o homem se tornou como um de nós, conhecedor do bem e do mal; assim, que não estenda a mão, e tome também da árvore da vida, e coma, e viva eternamente.

[23] O SENHOR Deus, por isso, o lançou fora do jardim do Éden, a fim de lavrar a terra de que fora tomado.

[24] E, expulso o homem, colocou querubins ao oriente do jardim do Éden e o refulgir de uma espada que se revolvia, para guardar o caminho da árvore da vida.

[20]U-Adamu wamqamba umkakhe igama lokuthi u-Eva, ngokuba waba ngunina wabo bonke abaphilayo.

[21]UJehova uNkulunkulu wabenzela u-Adamu nomkakhe iziphuku, wabembathisa.

[22]UJehova uNkulunkulu wathi: Bheka, u-Adamu usenjengomunye wethu, uyakwazi okuhle nokubi; kepha manje makangeluli isandla sakhe, athathe nakuwo umuthi wokuphila, adle, aphile kuze kube phakade.

[23]UJehova uNkulunkulu wammukisa ensimini yase-Edene ukuba alime umhlabathi athathwe kuwo.

[24] Wamxosha u-Adamu, wabeka ngasempumalanga kwensimu yase-Edene amakherubi kanye nenkemba yelangabi ephenduphendukayo, ilinde indlela eya emthini wokuphila.

Gênesis 4

Abel e Caim

[1] Coabitou o homem com Eva, sua mulher. Esta concebeu e deu à luz a Caim; então, disse: Adquiri um varão com o auxílio do SENHOR.

[2] Depois, deu à luz a Abel, seu irmão. Abel foi pastor de ovelhas, e Caim, lavrador.

[3] Aconteceu que no fim de uns tempos trouxe Caim do fruto da terra uma oferta ao SENHOR.

[4] Abel, por sua vez, trouxe das primícias do seu rebanho e da gordura deste.

UGenesise 4

OKayini no-Abela

[1]U-Adamu wamazi umkakhe u-Eva; wakhulelwa, wazala uKayini; wathi: Ngitholile indoda kuJehova.

[2]Waphinda wazala u-Abela umfowabo. U-Abela waba ngumalusi, uKayini waba ngumlimi.

[3]Kwathi emva kwezinsuku ezithile uKayini waletha kuJehova umnikelo wezithelo zomhlabathi.

[4] Naye u-Abela waletha umnikelo kuwo amazibulo ezimvu zakhe ezinonileyo.

Agradou-se o SENHOR de Abel e de sua oferta;

[5] ao passo que de Caim e de sua oferta não se agradou. Irou-se, pois, sobremaneira, Caim, e descaiu-lhe o semblante.

[6] Então, lhe disse o SENHOR: Por que andas irado, e por que descaiu o teu semblante?

[7] Se procederes bem, não é certo que serás aceito? Se, todavia, procederes mal, eis que o pecado jaz à porta; o seu desejo será contra ti, mas a ti cumpre dominá-lo.

O primeiro homicídio

[8] Disse Caim a Abel, seu irmão: Vamos ao campo. Estando eles no campo, sucedeu que se levantou Caim contra Abel, seu irmão, e o matou.

[9] Disse o SENHOR a Caim: Onde está Abel, teu irmão? Ele respondeu: Não sei; acaso, sou eu tutor de meu irmão?

[10] E disse Deus: Que fizeste? A voz do sangue de teu irmão clama da terra a mim.

[11] És agora, pois, maldito por sobre a terra, cuja boca se abriu para receber de tuas mãos o sangue de teu irmão.

[12] Quando lavrares o solo, não te dará ele a sua força; serás fugitivo e errante pela terra.

[13] Então, disse Caim ao SENHOR: É tamanho o meu castigo, que já não posso suportá-lo.

[14] Eis que hoje me lanças da face da terra, e da tua presença hei de esconder-me;

UJehova wanaka u-Abela nomnikelo wakhe.

[5]Kepha uKayini nomnikelo wakhe akawunakanga. Wayesethukuthela kakhulu uKayini, ubuso bakhe banyukumala.

[6]UJehova wathi kuKayini: Uthukuthelelani na? Ubuso bakho bunyukumeleleni na?

[7] Angithi uma wenza kahle, uyamukeleka na? Uma ungenzi kahle, isono sihlezi ngasemnyango; ukunxanela kwaso kukuwe, kepha wena umelwe ukusibusa.

[8] UKayini wakhuluma ku-Abela umfowabo, wathi: Masiye endle. Kwathi besendle, uKayini wasukela umfowabo u-Abela, wambulala.

[9]Wayesethi uJehova kuKayini: Uphi umfowenu u-Abela na? Wathi: Angazi; ngingumlindi womfowethu na?

[10] Khona wathi: Wenzeni na? Izwi legazi lomfowenu liyakhala kimi lisemhlabathini.

[11]Usuqalekisiwe emhlabathini ovulile umlomo wawo ukwamukela igazi lomfowenu esandleni sakho.

[12]Uma ulima umhlabathi, awusayikukunika isithelo sawo; wena uyakuba ngumhambuma nozulane emhlabeni.

[13]Khona wathi uKayini kuJehova: Isono sami sikhulu kunokuba ngisithwale.

[14]Bheka, uyangixosha namuhla ebusweni bomhlaba, ngicashe ebusweni bakho;

serei fugitivo e errante pela terra; quem comigo se encontrar me matará.

15 O SENHOR, porém, lhe disse: Assim, qualquer que matar a Caim será vingado sete vezes. E pôs o SENHOR um sinal em Caim para que o não ferisse de morte quem quer que o encontrasse.

16 Retirou-se Caim da presença do SENHOR e habitou na terra de Node, ao oriente do Éden.

Descendentes de Caim

17 E coabitou Caim com sua mulher; ela concebeu e deu à luz a Enoque. Caim edificou uma cidade e lhe chamou Enoque, o nome de seu filho.

18 A Enoque nasceu-lhe Irade; Irade gerou a Meujael, Meujael, a Metusael, e Metusael, a Lameque.

19 Lameque tomou para si duas esposas: o nome de uma era Ada, a outra se chamava Zilá.

20 Ada deu à luz a Jabal; este foi o pai dos que habitam em tendas e possuem gado.

21 O nome de seu irmão era Jubal; este foi o pai de todos os que tocam harpa e flauta.

22 Zilá, por sua vez, deu à luz a Tubalcaim, artífice de todo instrumento cortante, de bronze e de ferro; a irmã de Tubalcaim foi Naamá.

23 E disse Lameque às suas esposas: Ada e Zilá, ouvi-me; vós, mulheres de Lameque, escutai o que passo a dizer-vos: Matei um

ngiyakuba ngumhambuma nozulane emhlabeni, ongifumanayo angibulale.

15Kepha uJehova wathi kuye: Ngalokho obulala uKayini uyakuphindiselwa kasikhombisa. UJehova wabeka uphawu kuKayini, funa omfumanayo ambulale.

16Wayesesuka uKayini ebusweni bukaJehova, wahlala ezweni laseNodi ngasempumalanga kwase-Edene.

Inzalo kaKayini

17UKayini wamazi umkakhe; wakhulelwa, wazala u-Enoke. Wakha umuzi, wawuqamba igama lokuthi u-Enoke ngegama lendodana yakhe.

18U-Enoke wazala u-Irade; u-Irade wazala uMehujayele; uMehujayele wazala uMetushayele; uMetushayele wazala uLameka.

19ULameka wazithathela abafazi ababili; igama lomunye lalingu-Ada, igama lomunye lalinguSila.

20U-Ada wazala uJabale; yena waba nguyise wabahlala ematendeni, befuya izinkomo.

21Igama lomfowabo lalinguJubale; yena waba nguyise wabo bonke ababetha ihabhu nomtshingo.

22USila wazala uThubali Kayini; wayengumkhandi wazo zonke izinto zethusi nezensimbi ezisikayo. Udadewabo kaThubali Kayini wayenguNahama.

23ULameka wathi kubo abafazi bakhe: Ada noSila, yizwani izwi lami; nina bafazi bakaLameka, lalelani ukusho kwami: Bhekani, ngibulala umuntu ngenxeba

homem porque ele me feriu; e um rapaz porque me pisou.

24 Sete vezes se tomará vingança de Caim, de Lameque, porém, setenta vezes sete.

25 Tornou Adão a coabitar com sua mulher; e ela deu à luz um filho, a quem pôs o nome de Sete; porque, disse ela, Deus me concedeu outro descendente em lugar de Abel, que Caim matou.

26 A Sete nasceu-lhe também um filho, ao qual pôs o nome de Enos; daí se começou a invocar o nome do SENHOR.

engilitholayo, nensizwa ngomvimbo engiwuzwiswayo.

24Yebo, uKayini uyakuphindiselwa kasikhombisa, kepha uLameka kamashumi ayisikhombisa, aphindwe kasikhombisa.

25U-Adamu wabuye wamazi umkakhe; wazala indodana, wamqamba igama lokuthi uSeti, ethi: UNkulunkulu ungibekele enye inzalo esikhundleni sika-Abela, njengokuba uKayini umbulele.

26Naye uSeti wazala indodana, wayiqamba igama layo ngokuthi u-Enoshe. Ngaleso sikhathi abantu baqala ukukhuleka egameni likaJehova.

Gênesis 5

Descendentes de Adão
1 Crônicas 1.1-4

1 Este é o livro da genealogia de Adão. No dia em que Deus criou o homem, à semelhança de Deus o fez;

2 homem e mulher os criou, e os abençoou, e lhes chamou pelo nome de Adão, no dia em que foram criados.

3 Viveu Adão cento e trinta anos, e gerou um filho à sua semelhança, conforme a sua imagem, e lhe chamou Sete.

4 Depois que gerou a Sete, viveu Adão oitocentos anos; e teve filhos e filhas.

5 Os dias todos da vida de Adão foram novecentos e trinta anos; e morreu.

UGenesise 5

Inzalo kaSeti

1 Lokhu kuyincwadi yezizukulwane zika-Adamu. Msukwana uNkulunkulu edala umuntu wamenza ngomfanekiso kaNkulunkulu.

2Wabadala owesilisa nowesifazane, wababusisa, waqamba igama labo ngokuthi abantu mhla bedalwa.

3U-Adamu wahamba iminyaka eyikhulu namashumi amathathu, wazala indodana ngomfanekiso wakhe efana naye, wayiqamba igama lokuthi uSeti.

4Izinsuku zika-Adamu emva kokuzalwa kukaSeti zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili; wazala amadodana namadodakazi.

5Zonke izinsuku zokuhamba kuka-Adamu zaziyiminyaka engamakhulu

ayisishiyagalolunye namashumi amathathu; wayesefa.

[6] Sete viveu cento e cinco anos e gerou a Enos.

[6]USeti wahamba iminyaka eyikhulu nanhlanu, wazala u-Enoshe.

[7] Depois que gerou a Enos, viveu Sete oitocentos e sete anos; e teve filhos e filhas.

[7]Emva kokuzalwa kuka-Enoshe uSeti wahamba iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili nesikhombisa, wazala amadodana namadodakazi.

[8] Todos os dias de Sete foram novecentos e doze anos; e morreu.

[8]Zonke izinsuku zikaSeti zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye neshumi nambili; wayesefa.

[9] Enos viveu noventa anos e gerou a Cainã.

[9]U-Enoshe wahamba iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, wazala uKhenani.

[10] Depois que gerou a Cainã, viveu Enos oitocentos e quinze anos; e teve filhos e filhas.

[10]Emva kokuzalwa kukaKhenani u-Enoshe wahamba iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili neshumi nanhlanu, wazala amadodana namadodakazi.

[11] Todos os dias de Enos foram novecentos e cinco anos; e morreu.

[11]Zonke izinsuku zika-Enoshe zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye nanhlanu; wayesefa.

[12] Cainã viveu setenta anos e gerou a Maalalel.

[12]UKhenani wahamba iminyaka engamashumi ayisikhombisa, wazala uMahalalele.

[13] Depois que gerou a Maalalel, viveu Cainã oitocentos e quarenta anos; e teve filhos e filhas.

[13]Emva kokuzalwa kukaMahalalele uKhenani wahamba iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili namashumi amane, wazala amadodana namadodakazi.

[14] Todos os dias de Cainã foram novecentos e dez anos; e morreu.

[14]Zonke izinsuku zikaKhenani zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye neshumi; wayesefa.

[15] Maalalel viveu sessenta e cinco anos e gerou a Jarede.

[15]UMahalalele wahamba iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu, wazala uJarede.

16 Depois que gerou a Jarede, viveu Maalalel oitocentos e trinta anos; e teve filhos e filhas.

17 Todos os dias de Maalalel foram oitocentos e noventa e cinco anos; e morreu.

18 Jarede viveu cento e sessenta e dois anos e gerou a Enoque.

19 Depois que gerou a Enoque, viveu Jarede oitocentos anos; e teve filhos e filhas.

20 Todos os dias de Jarede foram novecentos e sessenta e dois anos; e morreu.

21 Enoque viveu sessenta e cinco anos e gerou a Metusalém.

22 Andou Enoque com Deus; e, depois que gerou a Metusalém, viveu trezentos anos; e teve filhos e filhas.

23 Todos os dias de Enoque foram trezentos e sessenta e cinco anos.

24 Andou Enoque com Deus e já não era, porque Deus o tomou para si.

16Emva kokuzalwa kukaJarede uMahalalele wahamba iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili namashumi amathathu, wazala amadodana namadodakazi.

17Zonke izinsuku zikaMahalele zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili namashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu; wayesefa.

18UJarede wahamba iminyaka eyikhulu namashumi ayisithupha namabili, wazala u-Enoke.

19Emva kokuzalwa kuka-Enoke uJarede wahamba iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili, wazala amadodana namadodakazi.

20Zonke izinsuku zikaJarede zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha nambili; wayesefa.

21U-Enoke wahamba iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu, wazala uMetushela.

22Emva kokuzalwa kukaMetushela u-Enoke wahamba noNkulunkulu iminyaka engamakhulu amathathu, wazala amadodana namadodakazi.

23Zonke izinsuku zika-Enoke zaziyiminyaka engamakhulu amathathu namashumi ayisithupha nanhlanu.

24 U-Enoke wayehamba noNkulunkulu; kepha wayesengasekho nje, ngokuba uNkulunkulu wamthabatha.

[25] Metusalém viveu cento e oitenta e sete anos e gerou a Lameque.

[26] Depois que gerou a Lameque, viveu Metusalém setecentos e oitenta e dois anos; e teve filhos e filhas.

[27] Todos os dias de Metusalém foram novecentos e sessenta e nove anos; e morreu.

[28] Lameque viveu cento e oitenta e dois anos e gerou um filho;

[29] pôs-lhe o nome de Noé, dizendo: Este nos consolará dos nossos trabalhos e das fadigas de nossas mãos, nesta terra que o SENHOR amaldiçoou.

[30] Depois que gerou a Noé, viveu Lameque quinhentos e noventa e cinco anos; e teve filhos e filhas.

[31] Todos os dias de Lameque foram setecentos e setenta e sete anos; e morreu.

[32] Era Noé da idade de quinhentos anos e gerou a Sem, Cam e Jafé.

Gênesis 6

A corrupção do gênero humano

[1] Como se foram multiplicando os homens na terra, e lhes nasceram filhas,

[25]UMetushela wahamba iminyaka eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa, wazala uLameka.

[26]Emva kokuzalwa kukaLameka uMetushela wahamba iminyaka engamakhulu ayisikhombisa namashumi ayisishiyagalombili nambili, wazala amadodana namadodakazi.

[27]Zonke izinsuku zikaMetushela zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha nesishiyagalolunye; wayesefa.

[28]ULameka wahamba iminyaka eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nambili, wazala indodana.

[29]Waqamba igama layo ngokuthi uNowa, ethi: Lo uyakusiduduza emsebenzini wethu nasenkathazweni yezandla zethu emhlabathini awuqalekisa uJehova.

[30]Emva kokuzalwa kukaNowa uLameka wahamba iminyaka engamakhulu ayisihlanu namashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu, wazala amadodana namadodakazi.

[31]Zonke izinsuku zikaLameka zaziyiminyaka engamakhulu ayisikhombisa namashumi ayisikhombisa nesikhombisa; wayesefa.

[32]UNowa wahamba iminyaka engamakhulu ayisihlanu; uNowa wazala oShemi, noHamu, noJafete.

UGenesise 6

Ukwanda kobubi babantu

[1]Kwathi abantu beqala ukwanda ebusweni bomhlaba, bezala amadodakazi,

[2] vendo os filhos de Deus que as filhas dos homens eram formosas, tomaram para si mulheres, as que, entre todas, mais lhes agradaram.

[3] Então, disse o SENHOR: O meu Espírito não agirá para sempre no homem, pois este é carnal; e os seus dias serão cento e vinte anos.

[4] Ora, naquele tempo havia gigantes na terra; e também depois, quando os filhos de Deus possuíram as filhas dos homens, as quais lhes deram filhos; estes foram valentes, varões de renome, na antiguidade.

[5] Viu o SENHOR que a maldade do homem se havia multiplicado na terra e que era continuamente mau todo desígnio do seu coração;

[6] então, se arrependeu o SENHOR de ter feito o homem na terra, e isso lhe pesou no coração.

[7] Disse o SENHOR: Farei desaparecer da face da terra o homem que criei, o homem e o animal, os répteis e as aves dos céus; porque me arrependo de os haver feito.

[8] Porém Noé achou graça diante do SENHOR.

[9] Eis a história de Noé. Noé era homem justo e íntegro entre os seus contemporâneos; Noé andava com Deus.

[10] Gerou três filhos: Sem, Cam e Jafé.

Deus anuncia o dilúvio

[2]amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu ukuthi mahle, azithathela abafazi kuwo awathandayo.

[3]Wayesethi uJehova: UMoya wami awuyikubusa njalo kumuntu, njengokuba eyinyama nje; izinsuku zakhe ziyakuba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili.

[4] Ngalezo zinsuku kwakukhona iziqhwaga emhlabeni, nangasemuva futhi, lapho amadodana kaNkulunkulu engena kuwo amadodakazi abantu, awazalela abantwana. Lana ayengamadodana asendulo anamandla, anegama lodumo.

[5] Kepha uJehova wabona ukuthi ububi bomuntu bukhulu emhlabeni nokuthi zonke izizindlo zemicabango yenhliziyo yakhe zimbi njalo.

[6]Wayesezisola uJehova ukuthi wayebenzile abantu emhlabeni, wadabuka enhliziyweni yakhe.

[7]UJehova wathi: Abantu engibadalileyo ngizakubachitha ebusweni bomhlaba, yebo, abantu, nezinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu, ngokuba ngiyazisola ukuthi ngibenzile.

[8]Kepha uNowa wayetholile umusa emehlweni kaJehova.

[9] Lokhu kuyizizukulwane zikaNowa. UNowa wayeyindoda eqotho, engenacala esizukulwaneni sakhe; uNowa wayehamba noNkulunkulu.

[10]UNowa wazala amadodana amathathu: ngoShemi, noHamu, noJafete.

[11] A terra estava corrompida à vista de Deus e cheia de violência.

[12] Viu Deus a terra, e eis que estava corrompida; porque todo ser vivente havia corrompido o seu caminho na terra.

[13] Então, disse Deus a Noé: Resolvi dar cabo de toda carne, porque a terra está cheia da violência dos homens; eis que os farei perecer juntamente com a terra.

[14] Faze uma arca de tábuas de cipreste; nela farás compartimentos e a calafetarás com betume por dentro e por fora.

[15] Deste modo a farás: de trezentos côvados será o comprimento; de cinqüenta, a largura; e a altura, de trinta.

[16] Farás ao seu redor uma abertura de um côvado de altura; a porta da arca colocarás lateralmente; farás pavimentos na arca: um em baixo, um segundo e um terceiro.

[17] Porque estou para derramar águas em dilúvio sobre a terra para consumir toda carne em que há fôlego de vida debaixo dos céus; tudo o que há na terra perecerá.

[18] Contigo, porém, estabelecerei a minha aliança; entrarás na arca, tu e teus filhos, e tua mulher, e as mulheres de teus filhos.

[19] De tudo o que vive, de toda carne, dois de cada espécie, macho e fêmea, farás

[11]Umhlaba wawonakele ebusweni bukaJehova; umhlaba wagcwala ubudlwangudlwangu.

[12]UNkulunkulu wabona ukuthi umhlaba wonakele, ngokuba inyama yonke yayonakalisile indlela yayo emhlabeni.

Ukumenyezelwa kukazamcolo

[13]UNkulunkulu wathi kuNowa: Ukuphela kwenyama yonke kufikile phambi kwami, ngokuba umhlaba ugcwele ubudlwangudlwangu ngenxa yabantu; bheka, ngiyakubachitha kanye nomhlaba.

[14]Yakha umkhumbi ngemithi yegofere, wenze amakamelo emkhunjini, uwuhuqe ngaphakathi nangaphandle ngekolitayi.

[15]Yikho lokhu ozakukwenza: ubude bomkhumbi buyakuba yizingalo ezingamakhulu amathathu, ububanzi bawo bube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nokuphakama kwawo kube yizingalo ezingamashumi amathathu.

[16]Yenza ifasitele emkhunjini, uligcine ngaphezulu libe yingalo inye, ufake umnyango womkhumbi ohlangothini lwawo, uwenze ube nendlu engaphansi nengaphakathi nengaphezulu.

[17]Mina, bheka, mina ngizakuzisa uzamcolo wamanzi emhlabeni ukuba achithe yonke inyama okukuyo umoya wokuphila phansi kwezulu; konke okusemhlabeni kuzakufa.

[18]Kepha ngiyakumisa isivumelwano sami nawe, uze ungene emkhunjini, wena namadodana akho, nomkakho, nabafazi bamadodana akho bekanye nawe.

[19]Nakuzo zonke izilwane uzakungenisa ezimbili kuzo zonke izinhlobo zenyama

entrar na arca, para os conservares vivos contigo.

[20] Das aves segundo as suas espécies, do gado segundo as suas espécies, de todo réptil da terra segundo as suas espécies, dois de cada espécie virão a ti, para os conservares em vida.

[21] Leva contigo de tudo o que se come, ajunta-o contigo; ser-te-á para alimento, a ti e a eles.

[22] Assim fez Noé, consoante a tudo o que Deus lhe ordenara.

ukuba ziphile nawe, kube ngeyeduna neyensikazi.

[20]Kuzo izinyoni ngezinhlobo zazo, nakuzo izinkomo ngezinhlobo zazo, nakuzo izilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni ngezinhlobo zazo kuzakufika kuwe ezimbili zezinhlobo zonke, ziphile.

[21]Zithathele kukho konke ukudla okudliwayo, ukubuthele kuwe; kuyakuba ngukudla kwakho nokwabo.

[22]UNowa wenze njalo; njengalokho uNkulunkulu emyalile wakwenza.

Gênesis 7

Noé e sua família entram na arca

[1] Disse o SENHOR a Noé: Entra na arca, tu e toda a tua casa, porque reconheço que tens sido justo diante de mim no meio desta geração.

[2] De todo animal limpo levarás contigo sete pares: o macho e sua fêmea; mas dos animais imundos, um par: o macho e sua fêmea.

[3] Também das aves dos céus, sete pares: macho e fêmea; para se conservar a semente sobre a face da terra.

[4] Porque, daqui a sete dias, farei chover sobre a terra durante quarenta dias e quarenta noites; e da superfície da terra exterminarei todos os seres que fiz.

[5] E tudo fez Noé, segundo o SENHOR lhe ordenara.

UGenesise 7

Ukufika kukazamcolo

[1]UJehova wathi kuNowa: Ngena emkhunjini, wena nendlu yakho yonke, ngokuba ngikubonile wena ukuthi uqotho phambi kwami kulesi sizukulwane.

[2] Kuzo zonke izilwane ezihlambulukileyo uzakuthatha ngasikhombisa, iduna nensikazi yalo, nakuzo izilwane ezingahlambulukile uthathe ngambili, iduna nensikazi yalo,

[3]nakuzo izinyoni zezulu ngasikhombisa, iduna nensikazi, ukuba kulondolozwe inzalo emhlabeni wonke.

[4]Ngokuba emva kwezinsuku eziyisikhombisa ngiyakunisa imvula emhlabeni izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane, ngichithe ebusweni bomhlaba konke okuphilayo engikwenzileyo.

[5]UNowa wakwenza konke njengalokho emyalile uJehova.

[6] Tinha Noé seiscentos anos de idade, quando as águas do dilúvio inundaram a terra.

[6]UNowa wayeneminyaka engamakhulu ayisithupha mhla uzamcolo wamanzi efika emhlabeni.

[7] Por causa das águas do dilúvio, entrou Noé na arca, ele com seus filhos, sua mulher e as mulheres de seus filhos.

[7]UNowa wangena emkhunjini namadodana akhe, nomkakhe, nabafazi bamadodana akhe bekanye naye ngenxa yamanzi kazamcolo.

[8] Dos animais limpos, e dos animais imundos, e das aves, e de todo réptil sobre a terra,

[8]Kuzo izilwane ezihlambulukileyo nezingahlambulukile, nezinyoni, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni

[9] entraram para Noé, na arca, de dois em dois, macho e fêmea, como Deus lhe ordenara.

[9]kwangena ngambili emkhunjini kuNowa, iduna nensikazi, njengalokho uNkulunkulu emyalile uNowa.

[10] E aconteceu que, depois de sete dias, vieram sobre a terra as águas do dilúvio.

[10]Kwathi emva kwezinsuku eziyisikhombisa amanzi kazamcolo afika emhlabeni;

[11] No ano seiscentos da vida de Noé, aos dezessete dias do segundo mês, nesse dia romperam-se todas as fontes do grande abismo, e as comportas dos céus se abriram,

[11] ngomnyaka wamakhulu ayisithupha wokuhamba kukaNowa ngenyanga yesibili ngosuku lweshumi nesikhombisa lwenyanga, ngalona lolo suku imithombo yonke yotwa yabhoboka, namafasitele asezulwini avuleka.

[12] e houve copiosa chuva sobre a terra durante quarenta dias e quarenta noites.

[12]Lana emhlabeni izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane.

[13] Nesse mesmo dia entraram na arca Noé, seus filhos Sem, Cam e Jafé, sua mulher e as mulheres de seus filhos;

[13]Ngalolo suku uNowa wangena emkhunjini noShemi, noHamu, noJafete, amadodana kaNowa, nomkaNowa, nabafazi bobathathu bamadodana akhe bekanye nabo,

[14] eles, e todos os animais segundo as suas espécies, todo gado segundo as suas espécies, todos os répteis que rastejam sobre a terra segundo as suas espécies, todas as aves segundo as suas espécies, todos os pássaros e tudo o que tem asa.

[14]bona nazo zonke izilwane ngezinhlobo zazo, nezinkomo zonke ngezinhlobo zazo, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni ngezinhlobo zazo, nezinyoni zonke ngezinhlobo zazo, konke okunamaphiko.

[15] De toda carne, em que havia fôlego de vida, entraram de dois em dois para Noé na arca;
[16] eram macho e fêmea os que entraram de toda carne, como Deus lhe havia ordenado; e o SENHOR fechou a porta após ele.

O dilúvio

[17] Durou o dilúvio quarenta dias sobre a terra; cresceram as águas e levantaram a arca de sobre a terra.

[18] Predominaram as águas e cresceram sobremodo na terra; a arca, porém, vogava sobre as águas.
[19] Prevaleceram as águas excessivamente sobre a terra e cobriram todos os altos montes que havia debaixo do céu.
[20] Quinze côvados acima deles prevaleceram as águas; e os montes foram cobertos.
[21] Pereceu toda carne que se movia sobre a terra, tanto de ave como de animais domésticos e animais selváticos, e de todos os enxames de criaturas que povoam a terra, e todo homem.
[22] Tudo o que tinha fôlego de vida em suas narinas, tudo o que havia em terra seca, morreu.
[23] Assim, foram exterminados todos os seres que havia sobre a face da terra; o homem e o animal, os répteis e as aves dos céus foram extintos da terra; ficou somente Noé e os que com ele estavam na arca.

[15]Zangena kuNowa emkhunjini zimbili ngazimbili enyameni yonke okukuyo umoya wokuphila.

[16]Ezangenayo zangena ziyiduna nensikazi zenyama yonke, njengalokho uNkulunkulu emyalile; uJehova wavala emva kwakhe.

[17]Kwaba nguzamcolo emhlabeni izinsuku ezingamashumi amane; amanzi anda, aphakamisa umkhumbi; waphakama phezu komhlaba.
[18]Amanzi akhula, anda kakhulu emhlabeni; umkhumbi wahamba ebusweni bamanzi.
[19]Amanzi andisisa impela emhlabeni; zasitshekelwa zonke izintaba eziphakemeyo eziphansi kwezulu lonke.

[20]Amanzi azidlula ngezingalo eziyishumi nanhlanu, zaze zasitshekelwa izintaba.

[21]Inyama yonke eyayihamba emhlabeni yafa, izinyoni, nezinkomo, nezilo, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni, nabantu bonke;
[22]konke okunomphefumulo womoya wokuphila emakhaleni akho, konke okusemhlabathini owomileyo, kwafa.
[23]Wachitha kanjalo konke okuphilayo ebusweni bomhlaba, abantu, nezinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu; wakuchitha emhlabeni; kwasala uNowa yedwa kanye nakho okwakukhona naye emkhunjini.

[24] E as águas durante cento e cinqüenta dias predominaram sobre a terra.

Gênesis 8

Diminuem as águas do dilúvio

[1] Lembrou-se Deus de Noé e de todos os animais selváticos e de todos os animais domésticos que com ele estavam na arca; Deus fez soprar um vento sobre a terra, e baixaram as águas.

[2] Fecharam-se as fontes do abismo e também as comportas dos céus, e a copiosa chuva dos céus se deteve.

[3] As águas iam-se escoando continuamente de sobre a terra e minguaram ao cabo de cento e cinqüenta dias.

[4] No dia dezessete do sétimo mês, a arca repousou sobre as montanhas de Ararate.

[5] E as águas foram minguando até ao décimo mês, em cujo primeiro dia apareceram os cimos dos montes.

Noé solta um corvo e depois uma pomba

[6] Ao cabo de quarenta dias, abriu Noé a janela que fizera na arca

[7] e soltou um corvo, o qual, tendo saído, ia e voltava, até que se secaram as águas de sobre a terra.

[8] Depois, soltou uma pomba para ver se as águas teriam já minguado da superfície da terra;

[24]Amanzi ayenamandla emhlabeni izinsuku eziyikhulu namashumi ayisihlanu.

UGenesise 8

Ukuphela kukazamcolo

[1]UNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke ezinaye emkhunjini. UNkulunkulu wadlulisa umoya phezu komhlaba, amanzi abohla.

[2]Imithombo yotwa namafasitele asezulwini kwavinjwa, imvula yasezulwini yaphela.

[3]Amanzi ayesemuka njalo emhlabeni; emva kwezinsuku eziyikhulu namashumi ayisihlanu amanzi ancipha.

[4]Ngenyanga yesikhombisa ngosuku lweshumi nesikhombisa enyangeni umkhumbi wema ezintabeni zase-Ararati.

[5]Amanzi ancipha njalonjalo, kwaze kwaba senyangeni yeshumi. Ngeyeshumi ngolokuqala lwenyanga iziqongo zezintaba zabonakala.

[6]Kwathi emva kwezinsuku ezingamashumi amane uNowa wavula ifasitele lomkhumbi abelenzile.

[7]Wathuma igwababa, lazulazula njalo, aze asha amanzi emhlabeni.

[8]Wayesethuma ijuba ukubona ukuba amanzi asenciphile yini ebusweni bomhlaba.

[9] mas a pomba, não achando onde pousar o pé, tornou a ele para a arca; porque as águas cobriam ainda a terra. Noé, estendendo a mão, tomou-a e a recolheu consigo na arca.

[10] Esperou ainda outros sete dias e de novo soltou a pomba fora da arca.

[11] À tarde, ela voltou a ele; trazia no bico uma folha nova de oliveira; assim entendeu Noé que as águas tinham minguado de sobre a terra.

[12] Então, esperou ainda mais sete dias e soltou a pomba; ela, porém, já não tornou a ele.

Noé e sua família saem da arca

[13] Sucedeu que, no primeiro dia do primeiro mês, do ano seiscentos e um, as águas se secaram de sobre a terra. Então, Noé removeu a cobertura da arca e olhou, e eis que o solo estava enxuto.

[14] E, aos vinte e sete dias do segundo mês, a terra estava seca.

[15] Então, disse Deus a Noé:

[16] Sai da arca, e, contigo, tua mulher, e teus filhos, e as mulheres de teus filhos.

[17] Os animais que estão contigo, de toda carne, tanto aves como gado, e todo réptil que rasteja sobre a terra, faze sair a todos, para que povoem a terra, sejam fecundos e nela se multipliquem.

[9]Kepha ijuba lalingafumani ukuphumula kwamathe onyawo lwalo, labuyela kuye emkhunjini, ngokuba amanzi ayesesebusweni bomhlaba wonke; waselula isandla sakhe, walithatha, walingenisa kuye emkhunjini.

[10]Wabuye wahlala izinsuku eziyisikhombisa; waphinda walithuma ujuba emkhunjini.

[11]Ijuba lafika kuye ngakusihlwa; bheka, kusemlonyeni walo iqabunga lomnqumo elikhiweyo. Wase azi uNowa ukuthi amanzi anciphile emhlabeni.

[12]Wabuye wahlala izinsuku eziyisikhombisa; walithuma ijuba; alabe lisabuyela kuye.

[13]Kwathi ngomnyaka wamakhulu ayisithupha nanye ngenyanga yokuqala ngolokuqala lwenyanga amanzi abeseshile emhlabeni; uNowa wasusa uphahla lomkhumbi, wabona, bheka, ubuso bomhlaba base bomile.

[14]Ngenyanga yesibili ngosuku lwamashumi amabili nesikhombisa lwenyanga umhlaba wawusomile.

[15]UNkulunkulu wakhuluma kuNowa, wathi:

[16] Phuma emkhunjini, wena nomkakho, namadodana akho, nabafazi bamadodana akho bekanye nawe.

[17] Phuma kanye nezilwane zonke eziphilayo zenyama yonke, izinyoni, nezinkomo, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni, zichume emhlabeni, zizale, zande emhlabeni.

[18] Saiu, pois, Noé, com seus filhos, sua mulher e as mulheres de seus filhos.

[18]Wayesephuma uNowa namadodana akhe, nomkakhe, nabafazi bamadodana akhe bekanye naye.

[19] E também saíram da arca todos os animais, todos os répteis, todas as aves e tudo o que se move sobre a terra, segundo as suas famílias.

[19]Zonke izilwane, nazo zonke izilwanyana ezinwabuzelayo, nazo zonke izinyoni, konke okuhamba emhlabeni ngezinhlobo zakho kwaphuma emkhunjini.

Noé levanta um altar

Umnikelo kaNowa nesithembiso sikaJehova

[20] Levantou Noé um altar ao SENHOR e, tomando de animais limpos e de aves limpas, ofereceu holocaustos sobre o altar.

[20]UNowa wamakhela uJehova i-altare, wathatha kuzo zonke izilwane ezihlambulukileyo nakuzo zonke izinyoni ezihlambulukileyo, wanikela umnikelo wokushiswa e-altare.

[21] E o SENHOR aspirou o suave cheiro e disse consigo mesmo: Não tornarei a amaldiçoar a terra por causa do homem, porque é mau o desígnio íntimo do homem desde a sua mocidade; nem tornarei a ferir todo vivente, como fiz.

[21] UJehova wezwa iphunga elimnandi; uJehova wathi enhliziyweni yakhe: Angisayikuphinda ngiqalekise umhlaba ngenxa yabantu, ngokuba imicabango yomuntu mibi kwasebusheni bakhe; angisayikuphinda ngibhubhise konke okuphilayo, njengalokho ngenzile.

[22] Enquanto durar a terra, não deixará de haver sementeira e ceifa, frio e calor, verão e inverno, dia e noite.

[22]Umhlaba usekhona, ukutshala nokuvuna, amakhaza nokufudumala, ihlobo nobusika, imini nobusuku akuyikunqamuka.

Gênesis 9

UGenesise 9

A aliança de Deus com Noé

Isivumelwano sikaNkulunkulu noNowa

[1] Abençoou Deus a Noé e a seus filhos e lhes disse: Sede fecundos, multiplicai-vos e enchei a terra.

[1] UNkulunkulu wabusisa uNowa namadodana akhe, wathi kubo: Zalani nande, nigcwalise umhlaba.

[2] Pavor e medo de vós virão sobre todos os animais da terra e sobre todas as aves dos céus; tudo o que se move sobre a terra e todos os peixes do mar nas vossas mãos serão entregues.

[2]Uvalo nokwesabeka kwenu akube phezu kwezilwane zonke zomhlaba, naphezu kwazo zonke izinyoni zezulu, naphezu kwakho konke okunwabuzelayo emhlabeni, naphezu kwazo zonke izinhlanzi, kunikezelwe ezandleni zenu.

3 Tudo o que se move e vive ser-vos-á para alimento; como vos dei a erva verde, tudo vos dou agora.

4 Carne, porém, com sua vida, isto é, com seu sangue, não comereis.

5 Certamente, requererei o vosso sangue, o sangue da vossa vida; de todo animal o requererei, como também da mão do homem, sim, da mão do próximo de cada um requererei a vida do homem.

6 Se alguém derramar o sangue do homem, pelo homem se derramará o seu; porque Deus fez o homem segundo a sua imagem.

7 Mas sede fecundos e multiplicai-vos; povoai a terra e multiplicai-vos nela.

8 Disse também Deus a Noé e a seus filhos:

9 Eis que estabeleço a minha aliança convosco, e com a vossa descendência,

10 e com todos os seres viventes que estão convosco: tanto as aves, os animais domésticos e os animais selváticos que saíram da arca como todos os animais da terra.

11 Estabeleço a minha aliança convosco: não será mais destruída toda carne por águas de dilúvio, nem mais haverá dilúvio para destruir a terra.

12 Disse Deus: Este é o sinal da minha aliança que faço entre mim e vós e entre todos os seres viventes que estão convosco, para perpétuas gerações:

3 Zonke izilwane eziphilayo ziyakuba ngukudla kwenu; ngiyaninika konke kube njengemifino eluhlaza.

4 Kepha inyama okukuyo umphefumulo wayo, okungukuthi igazi layo, aniyikuyidla.

5 Kodwa elenu igazi okukulo umphefumulo wenu ngiyakulibiza; kuzo zonke izilwane ngiyakulibiza; nakubo bonke abantu ngiyakubiza umphefumulo wabo, owomunye esandleni somunye.

6 Ochitha igazi lomuntu, igazi lakhe liyakuchithwa ngabantu, ngokuba uNkulunkulu wamenza umuntu ngomfanekiso wakhe.

7 Kepha zalani nina, nande, nichume emhlabeni, nivame kuwo.

8 UNkulunkulu wakhuluma kuNowa nakumadodana akhe enaye, wathi:

9 Bhekani, mina ngiyamisa isivumelwano sami nani nenzalo yenu emva kwenu,

10 nezilwane zonke eziphilayo ezinani, izinyoni, nezinkomo, nezilo zomhlaba ezinani, zonke eziphume emkhunjini, yebo, zonke izilwane zasemhlabeni.

11 Ngizakumisa isivumelwano sami nawe; akusayikubhujiswa nyama ngamanzi kazamcolo; akasayikuza uzamcolo ukuba achithe umhlaba.

12 UNkulunkulu wathi: Lokhu kuluphawu lwesivumelwano engisenza phakathi kwami nani nazo zonke izilwane eziphilayo ezinani kuze kube sezizukulwaneni zaphakade:

[13] porei nas nuvens o meu arco; será por sinal da aliança entre mim e a terra.

[14] Sucederá que, quando eu trouxer nuvens sobre a terra, e nelas aparecer o arco,

[15] então, me lembrarei da minha aliança, firmada entre mim e vós e todos os seres viventes de toda carne; e as águas não mais se tornarão em dilúvio para destruir toda carne.

[16] O arco estará nas nuvens; vê-lo-ei e me lembrarei da aliança eterna entre Deus e todos os seres viventes de toda carne que há sobre a terra.

[17] Disse Deus a Noé: Este é o sinal da aliança estabelecida entre mim e toda carne sobre a terra.

[18] Os filhos de Noé, que saíram da arca, foram Sem, Cam e Jafé; Cam é o pai de Canaã.

[19] São eles os três filhos de Noé; e deles se povoou toda a terra.

Noé pronuncia bênção e maldição

[20] Sendo Noé lavrador, passou a plantar uma vinha.

[21] Bebendo do vinho, embriagou-se e se pôs nu dentro de sua tenda.

[22] Cam, pai de Canaã, vendo a nudez do pai, fê-lo saber, fora, a seus dois irmãos.

[23] Então, Sem e Jafé tomaram uma capa, puseram-na sobre os próprios ombros de

[13]ngizakumisa uthingo lwami emafwini, lube luphawu lwesivumelwano phakathi kwami nomhlaba.

[14]Kuyakuthi lapho ngiqoqa amafu phezu komhlaba, uthingo lubonakale emafwini.

[15]Khona ngiyakukhumbula isivumelwano esiphakathi kwami nani nazo zonke izilwane eziphilayo zenyama yonke; amanzi awasayikuba nguzamcolo wokuchitha inyama yonke.

[16]Uthingo luyakuba semafwini; ngizakulubheka, ngikhumbule isivumelwano esiphakade phakathi kukaNkulunkulu nazo zonke izilwane eziphilayo zenyama yonke emhlabeni.

[17]UNkulunkulu wathi kuNowa: Lokhu kuluphawu lwesivumelwano engisenzile phakathi kwami nayo yonke inyama esemhlabeni.

[18]Amadodana kaNowa aphuma emkhunjini ayengoShemi, noHamu, noJafete; uHamu wayenguyise kaKhanani.

[19]Yilawo amadodana amathathu kaNowa; umhlaba wonke wagcwaliswa ngabavela kuwo.

Amazwi kaNowa kumadodana akhe

[20]UNowa waqala waba ngumlimi, watshala isivini.

[21]Waphuza iwayini, wadakwa, walala nqunu etendeni lakhe.

[22]UHamu uyise kaKhanani wabona ubunqunu bukayise, watshela abafowabo bobabili bengaphandle.

[23] OShemi noJafete bathatha ingubo, bayifaka emahlombe abo bobabili,

ambos e, andando de costas, rostos desviados, cobriram a nudez do pai, sem que a vissem.

bahamba nyovane, basibekela ubunqunu bukayise; ubuso babo babubheka emuva, abaze babona ubunqunu bukayise.

[24] Despertando Noé do seu vinho, soube o que lhe fizera o filho mais moço

[24]UNowa waphaphama ekudakweni, wezwa lokho ebikwenzile kuye indodana yakhe encane.

[25] e disse: Maldito seja Canaã; seja servo dos servos a seus irmãos.

[25]Wathi: Makaqalekiswe uKhanani, abe yisigqila sezigqila kubafowabo.

[26] E ajuntou: Bendito seja o SENHOR, Deus de Sem; e Canaã lhe seja servo.

[26]Wathi futhi: Ubusisiwe uJehova, uNkulunkulu kaShemi, uKhanani abe yisigqila sabo.

[27] Engrandeça Deus a Jafé, e habite ele nas tendas de Sem; e Canaã lhe seja servo.

[27]UNkulunkulu amandise uJafete, ahlale ematendeni kaShemi, uKhanani abe yisigqila sabo.

Ukufa kukaNowa

[28] Noé, passado o dilúvio, viveu ainda trezentos e cinqüenta anos.

[28]Emva kukazamcolo uNowa wahamba iminyaka engamakhulu amathathu namashumi ayisihlanu.

[29] Todos os dias de Noé foram novecentos e cinqüenta anos; e morreu.

[29]Izinsuku zonke zikaNowa zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisihlanu.

Gênesis 10

Descendentes dos filhos de Noé

1 Crônicas 1.5-23

UGenesise 10

Inzalo yamadodana kaNowa

[1] São estas as gerações dos filhos de Noé, Sem, Cam e Jafé; e nasceram-lhes filhos depois do dilúvio.

[1] Lezi ziyizizukulwane zamadodana kaNowa: ngoShemi, noHamu, noJafete; bazalelwa amadodana emva kukazamcolo.

[2] Os filhos de Jafé são: Gomer, Magogue, Madai, Javã, Tubal, Meseque e Tiras.

[2]Amadodana kaJafete: ngoGomere, noMagoge, noMadayi, noJavani, noThubali, noMesheke, noTirase.

[3] Os filhos de Gomer são: Asquenaz, Rifate e Togarma.

[3]Amadodana kaGomere: ngo-Ashikenaze, noRifate, noThogarma.

[4] Os de Javã são: Elisá, Társis, Quitim e Dodanim.

[4]Amadodana kaJavani: ngo-Elisha, noTharishishi, noKitimi, noDodanimi.

[5] Estes repartiram entre si as ilhas das nações nas suas terras, cada qual segundo

[5]Kuvela kulabo iziqhingi zabezizwe zahlukaniselwa amazwe abo, kwaba yilelo

a sua língua, segundo as suas famílias, em suas nações.

6 Os filhos de Cam: Cuxe, Mizraim, Pute e Canaã.

7 Os filhos de Cuxe: Sebá, Havilá, Sabtá, Raamá e Sabtecá; e os filhos de Raamá: Sabá e Dedã.

8 Cuxe gerou a Ninrode, o qual começou a ser poderoso na terra.

9 Foi valente caçador diante do SENHOR; daí dizer-se: Como Ninrode, poderoso caçador diante do SENHOR.

10 O princípio do seu reino foi Babel, Ereque, Acade e Calné, na terra de Sinar.

11 Daquela terra saiu ele para a Assíria e edificou Nínive, Reobote-Ir e Calá.

12 E, entre Nínive e Calá, a grande cidade de Resém.

13 Mizraim gerou a Ludim, a Anamim, a Leabim, a Naftuim,

14 a Patrusim, a Casluim (donde saíram os filisteus) e a Caftorim.

15 Canaã gerou a Sidom, seu primogênito, e a Hete,

16 e aos jebuseus, aos amorreus, aos girgaseus,

17 aos heveus, aos arqueus, aos sineus,

18 aos arvadeus, aos zemareus e aos hamateus; e depois se espalharam as famílias dos cananeus.

19 E o limite dos cananeus foi desde Sidom, indo para Gerar, até Gaza, indo

nalelo ngolimi lwalo, nangemindeni yalo, nangezizwe zalo.

6 Amadodana kaHamu: ngoKushe, noMisirayimi, noPhuthi, noKhanani.

7 Amadodana kaKushe: ngoSeba, noHavila, noSabita, noRama, noSabitheka. Amadodana kaRama: ngoSheba noDedani.

8 UKushe wazala uNimrode; yena waqala ukuba ngonamandla emhlabeni.

9 Wayeyiphisi elinamandla ebusweni bukaJehova; ngalokho kuthiwa: Iphisi elinamandla njengoNimrode ebusweni bukaJehova.

10 Ukubusa kwakhe kwaqala eBabele, nase-Ereke, nase-Akade, naseKaline, ezweni laseShineyari.

11 Waphuma kulelo zwe, waya e-Asiriya, wakha iNineve, neRehoboti-Ire, neKhala,

12 neResene phakathi kweNineve neKhala; lo ungumuzi omkhulu.

13 UMisirayimi wazala amaLudi, nama-Anami, namaLehabi, namaNafetuhi,

14 namaPatrusi, namaKasuluhi, lapho kwavela khona amaFilisti namaKafitori.

15 UKhanani wazala uSidoni, izibulo lakhe, noHeti,

16 namaJebusi, nama-Amori, namaGirigashi,

17 namaHivi, nama-Arki, namaSini,

18 nama-Arvadi, namaSemari, namaHamati; ngasemuva imindeni yamaKhanani yahlakazeka.

19 Umkhawulo wamaKhanani wawususukela eSidoni, waya ngaseGerari waze wafika eGaza; waya ngaseSodoma

para Sodoma, Gomorra, Admá e Zeboim, até Lasa.

20 São estes os filhos de Cam, segundo as suas famílias, segundo as suas línguas, em suas terras, em suas nações.

21 A Sem, que foi pai de todos os filhos de Héber e irmão mais velho de Jafé, também lhe nasceram filhos.

22 Os filhos de Sem são: Elão, Assur, Arfaxade, Lude e Arã.

23 Os filhos de Arã: Uz, Hul, Geter e Más.

24 Arfaxade gerou a Salá; Salá gerou a Héber.

25 A Héber nasceram dois filhos: um teve por nome Pelegue, porquanto em seus dias se repartiu a terra; e o nome de seu irmão foi Joctã.

26 Joctã gerou a Almodá, a Selefe, a Hazar-Mavé, a Jerá,

27 a Hadorão, a Uzal, a Dicla,

28 a Obal, a Abimael, a Sabá,

29 a Ofir, a Havilá e a Jobabe; todos estes foram filhos de Joctã.

30 E habitaram desde Messa, indo para Sefar, montanha do Oriente.

31 São estes os filhos de Sem, segundo as suas famílias, segundo as suas línguas, em suas terras, em suas nações.

32 São estas as famílias dos filhos de Noé, segundo as suas gerações, nas suas nações; e destes foram disseminadas as nações na terra, depois do dilúvio.

naseGomora nase-Adima naseSeboyimi waze wafika eLasha.

20Labo babe ngamadodana kaHamu ngemindeni yawo nangezilimi zawo emazweni awo nasezizweni zawo.

21NoShemi uyise wabantwana bonke baka-Ebere, umnewabo omkhulu kaJafete, wazala abantwana.

22Amadodana kaShemi: ngo-Elamu, no-Ashuri, no-Arapakishade, noLude, no-Aramu.

23Amadodana ka-Aramu: ngo-Use, noHule, noGeteri, noMashe.

24 U-Arpakishade wazala uShela; uShela wazala u-Ebere.

25 U-Ebere wazala amadodana amabili; igama lomunye lalinguPhelege, ngokuba emihleni yakhe izwe ladatshulwa. Igama lomfowabo lalinguJokothane.

26UJokothane wazala o-Alimodade, noShelefe, noHasaramavete, noJere,

27noHadoramu, no-Uzali, noDikila,

28no-Obale, no-Abimayele, noSheba,

29no-Ofiri, noHavila, noJababi; bonke laba babengamadodana kaJokothane.

30Ukwakha kwabo kwasukela eMesha kwaze kwafika ngaseSefare, intaba yasempumalanga.

31Laba babe ngamadodana kaShemi ngemindeni yawo nangezilimi zawo, emazweni awo nasezizweni zawo.

32Lezi ziyimindeni yamadodana kaNowa ngezizukulwane zawo ezizweni zawo; ngalawo izizwe zahlakazeka emhlabeni emva kukazamcolo.

Gênesis 11

A torre de Babel

[1] Ora, em toda a terra havia apenas uma linguagem e uma só maneira de falar.

[2] Sucedeu que, partindo eles do Oriente, deram com uma planície na terra de Sinar; e habitaram ali.

[3] E disseram uns aos outros: Vinde, façamos tijolos e queimemo-los bem. Os tijolos serviram-lhes de pedra, e o betume, de argamassa.

[4] Disseram: Vinde, edifiquemos para nós uma cidade e uma torre cujo tope chegue até aos céus e tornemos célebre o nosso nome, para que não sejamos espalhados por toda a terra.

[5] Então, desceu o SENHOR para ver a cidade e a torre, que os filhos dos homens edificavam;

[6] e o SENHOR disse: Eis que o povo é um, e todos têm a mesma linguagem. Isto é apenas o começo; agora não haverá restrição para tudo que intentam fazer.

[7] Vinde, desçamos e confundamos ali a sua linguagem, para que um não entenda a linguagem de outro.

[8] Destarte, o SENHOR os dispersou dali pela superfície da terra; e cessaram de edificar a cidade.

[9] Chamou-se-lhe, por isso, o nome de Babel, porque ali confundiu o SENHOR a linguagem de toda a terra e dali o SENHOR os dispersou por toda a superfície dela.

Descendentes de Sem

1 Crônicas 1.24-27

UGenesise 11

Umbhoshongo waseBabele

[1]Umhlaba wonke wawunolimi lunye nokukhuluma kunye.

[2]Kwathi ekusukeni kwabo empumalanga bafumana ithafa ezweni laseShineyari; bakha khona.

[3]Base bethi omunye komunye: Wozani, ake senze izitini, sizishisise. Izitini zaba ngamatshe abo, nebitume laba ludaka lwabo.

[4]Bathi: Wozani, asakhe umuzi nombhoshongo osiqongo sawo sisezulwini, sizenzele igama, funa sihlakazeke ebusweni bomhlaba wonke.

[5]UJehova wehla ukuba abone umuzi nombhoshongo okwakhiwa ngabantwana babantu.

[6]UJehova wathi: Bheka, bonke basizwe sinye nolimi lunye; yikho abaqala ngakho; manje abayikunqanyulelwa lutho abahlosa ukulwenza.

[7]Wozani sehle, siye ukusanganisa ulimi lwabo ukuba bangezwani, kube yilowo nalowo ulimi lomunye.

[8]Kanjalo uJehova wabahlakazela emhlabeni wonke, bephuma lapho; bayeka ukwakha umuzi.

[9]Ngalokho igama lawo lathiwa iBabele, ngokuba uJehova wasanganisa khona ulimi lomhlaba wonke; wabahlakazela emhlabeni wonke.

Inzalo kaShemi

[10] São estas as gerações de Sem. Ora, ele era da idade de cem anos quando gerou a Arfaxade, dois anos depois do dilúvio;

[11] e, depois que gerou a Arfaxade, viveu Sem quinhentos anos; e gerou filhos e filhas.

[12] Viveu Arfaxade trinta e cinco anos e gerou a Salá;

[13] e, depois que gerou a Salá, viveu Arfaxade quatrocentos e três anos; e gerou filhos e filhas.

[14] Viveu Salá trinta anos e gerou a Héber;

[15] e, depois que gerou a Héber, viveu Salá quatrocentos e três anos; e gerou filhos e filhas.

[16] Viveu Héber trinta e quatro anos e gerou a Pelegue;

[17] e, depois que gerou a Pelegue, viveu Héber quatrocentos e trinta anos; e gerou filhos e filhas.

[18] Viveu Pelegue trinta anos e gerou a Reú;

[19] e, depois que gerou a Reú, viveu Pelegue duzentos e nove anos; e gerou filhos e filhas.

[10] Lezi ziyizizukulwane zikaShemi; uShemi wayeneminyaka eyikhulu, wazala u-Arpakishade iminyaka emibili emva kukazamcolo.

[11]Emva kokuzalwa kuka-Arpakishade uShemi wahamba iminyaka engamakhulu ayisihlanu, wazala amadodana namadodakazi.

[12] U-Arpakishade wahamba iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu, wazala uShela.

[13]Emva kokuzalwa kukaShela u-Arpakishade wahamba iminyaka engamakhulu amane nantathu, wazala amadodana namadodakazi.

[14]UShela wahamba iminyaka engamashumi amathathu, wazala u-Ebere.

[15]Emva kokuzalwa kuka-Ebere uShela wahamba iminyaka engamakhulu amane nantathu, wazala amadodana namadodakazi.

[16]U-Ebere wahamba iminyaka engamashumi amathathu nane, wazala uPhelege.

[17]Emva kokuzalwa kukaPhelege u-Ebere wahamba iminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu, wazala amadodana namadodakazi.

[18]UPhelege wahamba iminyaka engamashumi amathathu, wazala uRehu.

[19]Emva kokuzalwa kukaRehu uPhelege wahamba iminyaka engamakhulu amabili nesishiyagalolunye, wazala amadodana namadodakazi.

[20] Viveu Reú trinta e dois anos e gerou a Serugue;

[21] e, depois que gerou a Serugue, viveu Reú duzentos e sete anos; e gerou filhos e filhas.

[22] Viveu Serugue trinta anos e gerou a Naor;

[23] e, depois que gerou a Naor, viveu Serugue duzentos anos; e gerou filhos e filhas.

[24] Viveu Naor vinte e nove anos e gerou a Tera;

[25] e, depois que gerou a Tera, viveu Naor cento e dezenove anos; e gerou filhos e filhas.

[26] Viveu Tera setenta anos e gerou a Abrão, a Naor e a Harã.

[27] São estas as gerações de Tera. Tera gerou a Abrão, a Naor e a Harã; e Harã gerou a Ló.

[28] Morreu Harã na terra de seu nascimento, em Ur dos caldeus, estando Tera, seu pai, ainda vivo.

[29] Abrão e Naor tomaram para si mulheres; a de Abrão chamava-se Sarai, a de Naor, Milca, filha de Harã, que foi pai de Milca e de Iscá.

[30] Sarai era estéril, não tinha filhos.

[20]URehu wahamba iminyaka engamashumi amathathu nambili, wazala uSerugi.

[21]Emva kokuzalwa kukaSerugi uRehu wahamba iminyaka engamakhulu amabili nesikhombisa, wazala amadodana namadodakazi.

[22]USerugi wahamba iminyaka engamashumi amathathu, wazala uNahori.

[23]Emva kokuzalwa kukaNahori uSerugi wahamba iminyaka engamakhulu amabili, wazala amadodana namadodakazi.

[24]UNahori wahamba iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye, wazala uThera.

[25]Emva kokuzalwa kukaThera uNahori wahamba iminyaka eyikhulu neshumi nesishiyagalolunye, wazala amadodana namadodakazi.

[26]UThera wahamba iminyaka engamashumi ayisikhombisa, wazala o-Abrama, noNahori, noHarana.

[27]Lezi ziyizizukulwane zikaThera. UThera wazala o-Abrama, noNahori, noHarana; uHarana wazala uLoti.

[28]UHarana wafa phambi kukayise uThera ezweni lokuzalwa kwakhe, i-Uri lamaKaledi.

[29]O-Abrama noNahori bazithathela abafazi; igama lomka-Abrama lalinguSarayi; igama lomkaNahori lalinguMilka, indodakazi kaHarana, uyise kaMilka noyise kaJiska.

[30]USarayi wayeyinyumba, engenamntwana.

[31] Tomou Tera a Abrão, seu filho, e a Ló, filho de Harã, filho de seu filho, e a Sarai, sua nora, mulher de seu filho Abrão, e saiu com eles de Ur dos caldeus, para ir à terra de Canaã; foram até Harã, onde ficaram.

[32] E, havendo Tera vivido duzentos e cinco anos ao todo, morreu em Harã.

Gênesis 12

Deus chama Abrão e lhe faz promessas

[1] Ora, disse o SENHOR a Abrão: Sai da tua terra, da tua parentela e da casa de teu pai e vai para a terra que te mostrarei;

[2] de ti farei uma grande nação, e te abençoarei, e te engrandecerei o nome. Sê tu uma bênção!

[3] Abençoarei os que te abençoarem e amaldiçoarei os que te amaldiçoarem; em ti serão benditas todas as famílias da terra.

[4] Partiu, pois, Abrão, como lho ordenara o SENHOR, e Ló foi com ele. Tinha Abrão setenta e cinco anos quando saiu de Harã.

[5] Levou Abrão consigo a Sarai, sua mulher, e a Ló, filho de seu irmão, e todos os bens que haviam adquirido, e as pessoas que lhes acresceram em Harã. Partiram para a terra de Canaã; e lá chegaram.

[31] UThera wathatha u-Abrama indodana yakhe, noLoti indodana kaHarana, indodana yendodana yakhe, noSarayi umalokazana wakhe, umka-Abrama indodana yakhe, waphuma nabo e-Uri lamaKaledi ukuya ezweni laseKhanani; bafika eHarana, bakha khona.

[32]Izinsuku zikaThera zaziyiminyaka engamakhulu amabili nanhlanu; uThera wafela eHarana.

UGenesise 12

Ukubizwa kuka-Abrama

[1] UJehova wathi ku-Abrama: Phuma ezweni lakini, nasezihlotsheni zakho, nasendlini kayihlo, uye ezweni engiyakukukhombisa lona.

[2]Ngiyakukwenza isizwe esikhulu, ngikubusise, ngenze igama lakho libe likhulu, wena ube yisibusiso.

[3] Ngiyakubabusisa abakubusisayo, nokuqalekisayo ngiyakumqalekisa; imindeni yonke yomhlaba iyakubusiswa kuwe.

[4]Wayesesuka u-Abrama, njengalokho uJehova emtshelile; uLoti wahamba naye; u-Abrama wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu mhla ephuma eHarana.

[5]U-Abrama wathatha uSarayi umkakhe, noLoti indodana yomfowabo, nempahla yonke ababeyibuthile, nezinceku ababezitholile eHarana; basuka ukuya ezweni laseKhanani; bafika-ke ezweni laseKhanani.

Ukufika kuka-Abrama eKhanani

[6] Atravessou Abrão a terra até Siquém, até ao carvalho de Moré. Nesse tempo os cananeus habitavam essa terra.

[6]U-Abrama wadabula izwe, waze wafika endaweni yaseShekemi nase-okini laseMore; amaKhanani ayesekhona ezweni.

[7] Apareceu o SENHOR a Abrão e lhe disse: Darei à tua descendência esta terra. Ali edificou Abrão um altar ao SENHOR, que lhe aparecera.

[7] UJehova wabonakala ku-Abrama, wathi: Leli zwe ngiyakulinika inzalo yakho. Wamakhela khona i-altare uJehova owayebonakele kuye.

[8] Passando dali para o monte ao oriente de Betel, armou a sua tenda, ficando Betel ao ocidente e Ai ao oriente; ali edificou um altar ao SENHOR e invocou o nome do SENHOR.

[8] Wayesesuka lapho, waya entabeni ngasempumalanga kwaseBethele, wamisa itende lakhe, iBethele lingasentshonalanga ne-Ayi lingasempumalanga; wamakhela khona uJehova i-altare, wakhuleka egameni likaJehova.

[9] Depois, seguiu Abrão dali, indo sempre para o Neguebe.

[9]Ngasemuva u-Abrama wahamba waqonda njalo ngaseningizimu.

Abrão no Egito

[10] Havia fome naquela terra; desceu, pois, Abrão ao Egito, para aí ficar, porquanto era grande a fome na terra.

[11] Quando se aproximava do Egito, quase ao entrar, disse a Sarai, sua mulher: Ora, bem sei que és mulher de formosa aparência;

[12] os egípcios, quando te virem, vão dizer: É a mulher dele e me matarão, deixando-te com vida.

[13] Dize, pois, que és minha irmã, para que me considerem por amor de ti e, por tua causa, me conservem a vida.

[14] Tendo Abrão entrado no Egito, viram os egípcios que a mulher era sobremaneira formosa.

[15] Viram-na os príncipes de Faraó e gabaram-na junto dele; e a mulher foi levada para a casa de Faraó.

Ukuhamba kuka-Abrama ukuya eGibithe

[10]Kwakukhona indlala ezweni; u-Abrama wehlela eGibithe ukuba agogobale khona, ngokuba indlala yayinzima ezweni.

[11]Kwathi esasondela ukungena eGibithe, wathi kuSarayi umkakhe: Bheka-ke, ngiyazi ukuthi ungowesifazane omuhle, obukekayo.

[12]Kuyakuthi ukuba abaseGibithe bakubone, bathi: Ngumkakhe lowo, bazakungibulala mina, bakulonde wena.

[13] Mawuthi ungudadewethu, ukuze kube kuhle kimi ngenxa yakho, umphefumulo wami uphile ngenxa yakho.

[14]Kwathi u-Abrama efika eGibithe, abaseGibithe babona owesifazane ukuthi muhle kakhulu.

[15]Izinduna zikaFaro zambona, zambabaza phambi kukaFaro; owesifazane wangeniswa endlini kaFaro.

16 Este, por causa dela, tratou bem a Abrão, o qual veio a ter ovelhas, bois, jumentos, escravos e escravas, jumentas e camelos.

17 Porém o SENHOR puniu Faraó e a sua casa com grandes pragas, por causa de Sarai, mulher de Abrão.

18 Chamou, pois, Faraó a Abrão e lhe disse: Que é isso que me fizeste? Por que não me disseste que era ela tua mulher?

19 E me disseste ser tua irmã? Por isso, a tomei para ser minha mulher. Agora, pois, eis a tua mulher, toma-a e vai-te.

20 E Faraó deu ordens aos seus homens a respeito dele; e acompanharam-no, a ele, a sua mulher e a tudo que possuía.

16U-Abrama waphathwa kahle ngenxa yakhe; waba nezimvu, nezinkabi, nezimbongolo, nezinceku, nezincekukazi, nezimbongolokazi, namakamela.

17 Kepha uJehova wamshaya uFaro nendlu yakhe ngezinhlupho ezinkulu ngenxa kaSarayi umka-Abrama.

18UFaro wayesembiza u-Abrama, wathi: Kuyini lokho okwenze kimi na? Awungitshelanga ngani ukuthi ungumkakho na?

19Usholoni ukuthi: Ungudadewethu, ngize ngimthathe abe ngumkami, na? Bheka manje, nangu umkakho; mthathe, uhambe.

20UFaro wayala amadoda ngaye; ammukisa kanye nomkakhe nakho konke anakho.

Gênesis 13

Abrão e Ló separam-se

1 Saiu, pois, Abrão do Egito para o Neguebe, ele e sua mulher e tudo o que tinha, e Ló com ele.

2 Era Abrão muito rico; possuía gado, prata e ouro.

3 Fez as suas jornadas do Neguebe até Betel, até ao lugar onde primeiro estivera a sua tenda, entre Betel e Ai,

4 até ao lugar do altar, que outrora tinha feito; e aí Abrão invocou o nome do SENHOR.

5 Ló, que ia com Abrão, também tinha rebanhos, gado e tendas.

UGenesise 13

Ukwahlukana kuka-Abrama noLoti

1U-Abrama wakhuphuka eGibithe kanye nomkakhe nakho konke anakho, uLoti enaye, waya ngaseningizimu.

2U-Abrama wayefuyile kakhulu izinkomo, nesiliva, negolide.

3 Kuzo izinkambo zakhe wasuka eningizimu, wafika eBethele, leyo ndawo lapho lalikhona itende lakhe kuqala, phakathi kweBethele ne-Ayi,

4indawo ye-altare abelenzile khona kuqala; u-Abrama wakhuleka lapho egameni likaJehova.

5Naye uLoti owahamba no-Abrama wayenezimvu, nezinkomo, namatende.

[6] E a terra não podia sustentá-los, para que habitassem juntos, porque eram muitos os seus bens; de sorte que não podiam habitar um na companhia do outro.

[6]Izwe lalingenakubanela ukuba bahlale ndawonye, ngokuba impahla yabo yayiningi kunokuba bahlale ndawonye.

[7] Houve contenda entre os pastores do gado de Abrão e os pastores do gado de Ló. Nesse tempo os cananeus e os ferezeus habitavam essa terra.

[7]Kwavela ukuxabana phakathi kwabelusi bezinkomo zika-Abrama nabelusi bezinkomo zikaLoti; amaKhanani namaPherizi ayehlala khona ezweni.

[8] Disse Abrão a Ló: Não haja contenda entre mim e ti e entre os meus pastores e os teus pastores, porque somos parentes chegados.

[8]U-Abrama wathi kuLoti: Akungabikho ukuxabana phakathi kwami nawe naphakathi kwabelusi bami nabelusi bakho, ngokuba singabazalwane.

[9] Acaso, não está diante de ti toda a terra? Peço-te que te apartes de mim; se fores para a esquerda, irei para a direita; se fores para a direita, irei para a esquerda.

[9]Izwe lonke alisobala ebusweni bakho na? Mawuhlukane nami; uma uya ngakwesokhohlo, ngiyakuya ngakwesokunene; uma uya ngakwesokunene, ngiyakuya ngakwesokhohlo.

[10] Levantou Ló os olhos e viu toda a campina do Jordão, que era toda bem regada (antes de haver o SENHOR destruído Sodoma e Gomorra), como o jardim do SENHOR, como a terra do Egito, como quem vai para Zoar.

[10]ULoti waphakamisa amehlo akhe, wabona ukuthi ithafa lonke laseJordani lalinamanzi lonke; uJehova engakachithi iSodoma neGomora, lalinjengensimu kaJehova nanjengezwe laseGibithe kwaze kwaba seSowari.

[11] Então, Ló escolheu para si toda a campina do Jordão e partiu para o Oriente; separaram-se um do outro.

[11]ULoti wakhetha ithafa lonke laseJordani; uLoti wasuka waya ngasempumalanga; bahlukana omunye nomunye.

[12] Habitou Abrão na terra de Canaã; e Ló, nas cidades da campina e ia armando as suas tendas até Sodoma.

[12]U-Abrama wahlala ezweni laseKhanani; uLoti wahlala emizini yasethafeni, wamisa itende lakhe ngaseSodoma.

[13] Ora, os homens de Sodoma eram maus e grandes pecadores contra o SENHOR.

[13] Kepha abantu baseSodoma babebabi, bengabonayo kakhulu phambi kukaJehova.

O SENHOR promete a Abrão a terra de Canaã

[14] Disse o SENHOR a Abrão, depois que Ló se separou dele: Ergue os olhos e olha desde onde estás para o norte, para o sul, para o oriente e para o ocidente;

[14]UJehova wathi ku-Abrama, uLoti esehlukene naye: Phakamisa manje amehlo akho ubuke, usendaweni lapho umi khona, ngasenyakatho, naseningizimu, nasempumalanga, nasentshonalanga,

[15] porque toda essa terra que vês, eu ta darei, a ti e à tua descendência, para sempre.

[15] ngokuba izwe lonke olibonayo ngiyakulinika wena nenzalo yakho kuze kube phakade.

[16] Farei a tua descendência como o pó da terra; de maneira que, se alguém puder contar o pó da terra, então se contará também a tua descendência.

[16]Ngiyakwenza inzalo yakho ibe njengothuli lomhlaba, kuze kuthi, uma umuntu engabala uthuli lomhlaba, iyakubalwa nenzalo yakho.

[17] Levanta-te, percorre essa terra no seu comprimento e na sua largura; porque eu ta darei.

[17]Suka udabule izwe, ubude balo nobubanzi balo, ngokuba ngiyakukunika lona.

[18] E Abrão, mudando as suas tendas, foi habitar nos carvalhais de Manre, que estão junto a Hebrom; e levantou ali um altar ao SENHOR.

[18]Wayesesuka u-Abrama, weza wakha ngasema-okini aseMamre laseHebroni, wamakhela khona uJehova i-altare.

Gênesis 14

Guerra de quatro reis contra cinco

[1] Sucedeu naquele tempo que Anrafel, rei de Sinar, Arioque, rei de Elasar, Quedorlaomer, rei de Elão, e Tidal, rei de Goim,

[2] fizeram guerra contra Bera, rei de Sodoma, contra Birsa, rei de Gomorra, contra Sinabe, rei de Admá, contra Semeber, rei de Zeboim, e contra o rei de Bela (esta é Zoar).

[3] Todos estes se ajuntaram no vale de Sidim (que é o mar Salgado).

UGenesise 14

Impi kaKedorlawomere

[1]Kwathi emihleni ka-Amrafeli inkosi yaseShineyari, no-Ariyoki inkosi yase-Elasare, noKedorlawomere inkosi yase-Elamu, noTidali inkosi yezizwe,

[2]baphaka impi noBera inkosi yaseSodoma, noBirisha inkosi yaseGomora, noShinabe inkosi yase-Adima, noShemebere inkosi yaseSeboyimi, nenkosi yaseBela eliyiSowari.

[3]Bonke laba bahlangana esiGodini saseSidimi esiluLwandle Lukasawoti.

4 Doze anos serviram a Quedorlaomer, porém no décimo terceiro se rebelaram.

5 Ao décimo quarto ano, veio Quedorlaomer e os reis que estavam com ele e feriram aos refains em Asterote-Carnaim, e aos zuzins em Hã, e aos emins em Savé-Quiriataim,

6 e aos horeus no seu monte Seir, até El-Parã, que está junto ao deserto.

7 De volta passaram em En-Mispate (que é Cades) e feriram toda a terra dos amalequitas e dos amorreus, que habitavam em Hazazom-Tamar.

8 Então, saíram os reis de Sodoma, de Gomorra, de Admá, de Zeboim e de Bela (esta é Zoar) e se ordenaram e levantaram batalha contra eles no vale de Sidim,

9 contra Quedorlaomer, rei de Elão, contra Tidal, rei de Goim, contra Anrafel, rei de Sinar, contra Arioque, rei de Elasar: quatro reis contra cinco.

10 Ora, o vale de Sidim estava cheio de poços de betume; os reis de Sodoma e de Gomorra fugiram; alguns caíram neles, e os restantes fugiram para um monte.

11 Tomaram, pois, todos os bens de Sodoma e de Gomorra e todo o seu mantimento e se foram.

Ló é levado cativo

12 Apossaram-se também de Ló, filho do irmão de Abrão, que morava em Sodoma, e dos seus bens e partiram.

4 Iminyaka eyishumi nambili bamkhonza uKedorlawomere, kepha ngomnyaka weshumi nantathu bahlubuka.

5 Ngomnyaka weshumi nane kweza uKedorlawomere kanye namakhosi anaye, banqoba amaRefa e-Ashiteroti Karinayimi, namaZuzi eHamu, nama-Emi eShave Kiriyatayimi,

6 namaHori entabeni yawo iSeyiri, kwaze kwaba se-Eli Pharanu ngasehlane.

7 Base bebuyela emuva, beza e-Eni Mishipati eliyiKadeshi, bachitha izwe lonke lama-Amaleki nelama-Amori ayehlala eHasasoni Tamari.

8 Yaphuma inkosi yaseSodoma, nenkosi yaseGomora, nenkosi yase-Adima, nenkosi yaseSeboyimi, nenkosi yaseBela eliyiSowari; bahloma, balwa nabo esiGodini saseSidimi.

9 Balwa noKedorlawomere inkosi yase-Elamu, noTidali inkosi yezizwe, no-Amrafeli inkosi yaseShineyari, no-Ariyoki inkosi yase-Elasare; amakhosi amane alwa nayisihlanu.

10 IsiGodi saseSidimi sasigcwele imigodi yebitume; inkosi yaseSodoma neyaseGomora abaleka, awela kuyo; abaseleyo babalekela entabeni.

11 Bathatha yonke impahla yaseSodoma neyaseGomora kanye nakho konke ukudla, bamuka.

12 Bamthatha uLoti indodana yomfowabo ka-Abrama owayehlala eSodoma kanye nempahla yakhe, bamuka.

Ukusiza kuka-Abrama nokukhululwa kukaLoti

[13] Porém veio um, que escapara, e o contou a Abrão, o hebreu; este habitava junto dos carvalhais de Manre, o amorreu, irmão de Escol e de Aner, os quais eram aliados de Abrão.

[14] Ouvindo Abrão que seu sobrinho estava preso, fez sair trezentos e dezoito homens dos mais capazes, nascidos em sua casa, e os perseguiu até Dã.

[15] E, repartidos contra eles de noite, ele e os seus homens, feriu-os e os perseguiu até Hobá, que fica à esquerda de Damasco.

[16] Trouxe de novo todos os bens, e também a Ló, seu sobrinho, os bens dele, e ainda as mulheres, e o povo.

[17] Após voltar Abrão de ferir a Quedorlaomer e aos reis que estavam com ele, saiu-lhe ao encontro o rei de Sodoma no vale de Savé, que é o vale do Rei.

Melquisedeque abençoa a Abrão

[18] Melquisedeque, rei de Salém, trouxe pão e vinho; era sacerdote do Deus Altíssimo;

[19] abençoou ele a Abrão e disse: Bendito seja Abrão pelo Deus Altíssimo, que possui os céus e a terra;

[20] e bendito seja o Deus Altíssimo, que entregou os teus adversários nas tuas mãos. E de tudo lhe deu Abrão o dízimo.

[13]Kepha kweza ophunyukileyo, wamtshela u-Abrama umHeberu, ngokuba wayehlala ngasema-okini kaMamre umAmori, umfowabo ka-Eshikoli nomfowabo ka-Anere; labo babehlangene no-Abrama.

[14]Nxa u-Abrama esezwile ukuthi umzalwane wakhe uLoti uthunjiwe, wabutha izinceku zakhe ezifundisiweyo ebezizelwe endlini yakhe, ezingamakhulu amathathu neshumi nesishiyagalombili, wabaxosha kwaze kwaba kwaDani.

[15]Wazahlukanisa ebusuku izinceku zakhe, wabahlasela, wabanqoba, wabaxosha, waze wafika eHoba elingasenyakatho kwaseDamaseku.

[16]Wabuyisa yonke impahla, wambuyisa noLoti umzalwane wakhe, nempahla yakhe, nabesifazane, nabantu.

O-Abrama noMelkisedeki

[17]Emva kokubuya kwakhe ekunqobeni uKedorlawomere namakhosi anaye yaphuma inkosi yaseSodoma, yaya ukumhlangabeza esiGodini saseShave esiyisiGodi seNkosi.

[18] UMelkisedeki inkosi yaseSalema waletha isinkwa newayini; wayengumpristi kaNkulunkulu oPhezukonke.

[19]Wambusisa wathi: U-Abrama makabusiswe nguNkulunkulu oPhezuknke, umdali wezulu nomhlaba.

[20]Makabongwe uNkulunkulu oPhezukonke onike izitha zakho esandleni sakho. U-Abrama wamnika okweshumi kwakho konke.

[21] Então, disse o rei de Sodoma a Abrão: Dá-me as pessoas, e os bens ficarão contigo.

[22] Mas Abrão lhe respondeu: Levanto a mão ao SENHOR, o Deus Altíssimo, o que possui os céus e a terra,

[23] e juro que nada tomarei de tudo o que te pertence, nem um fio, nem uma correia de sandália, para que não digas: Eu enriqueci a Abrão;

[24] nada quero para mim, senão o que os rapazes comeram e a parte que toca aos homens Aner, Escol e Manre, que foram comigo; estes que tomem o seu quinhão.

Gênesis 15

Deus anima a Abrão e lhe promete um filho

[1] Depois destes acontecimentos, veio a palavra do SENHOR a Abrão, numa visão, e disse: Não temas, Abrão, eu sou o teu escudo, e teu galardão será sobremodo grande.

[2] Respondeu Abrão: SENHOR Deus, que me haverás de dar, se continuo sem filhos e o herdeiro da minha casa é o damasceno Eliézer?

[3] Disse mais Abrão: A mim não me concedeste descendência, e um servo nascido na minha casa será o meu herdeiro.

[4] A isto respondeu logo o SENHOR, dizendo: Não será esse o teu herdeiro; mas aquele que será gerado de ti será o teu herdeiro.

[21]Inkosi yaseSodoma yathi ku-Abrama: Ngiphe abantu, uzithathele impahla.

[22]Kepha u-Abrama wathi enkosini yaseSodoma: Ngiyaphakamisela isandla sami kuJehova, uNkulunkulu oPhezukonke, umdali wezulu nomhlaba,

[23]ngithi angiyikuthatha umucwana nomchilo wezicathulo nokunye okwakho ukuba ungasho ukuthi: Ngimcebisile u-Abrama.

[24]Kuphela lokho ezikudlile izinceku, nesabelo samadoda ayehamba nami; o-Anere, no-Eshikoli, noMamre mabathathe isabelo sabo.

UGenesise 15

Isivumelwano sikaJehova no-Abrama

[1]Emva kwalokho kwafika izwi likaJehova ku-Abrama ngombono, lithi: Ungesabi, Abrama, ngiyisihlangu sakho; umvuzo wakho uyakuba mkhulu kakhulu.

[2]Kepha u-Abrama wathi: Nkosi Jehova, uyakungiphani na? Ngihamba ngingenamntwana; indlalifa yendlu yami ingu-Eliyezeri waseDamaseku.

[3]U-Abrama wathi futhi: Bheka, awunginikanga nzalo; bheka, inceku yendlu yami iyakuba yindlalifa yami.

[4] Bheka, izwi likaJehova leza kuye, lathi: Lona akayikudla ifa lakho, kepha oyakuphuma ezibilinini zakho uyakudla ifa lakho.

[5] Então, conduziu-o até fora e disse: Olha para os céus e conta as estrelas, se é que o podes. E lhe disse: Será assim a tua posteridade.

[6] Ele creu no SENHOR, e isso lhe foi imputado para justiça.

[7] Disse-lhe mais: Eu sou o SENHOR que te tirei de Ur dos caldeus, para dar-te por herança esta terra.

[8] Perguntou-lhe Abrão: SENHOR Deus, como saberei que hei de possuí-la?

[9] Respondeu-lhe: Toma-me uma novilha, uma cabra e um cordeiro, cada qual de três anos, uma rola e um pombinho.

[10] Ele, tomando todos estes animais, partiu-os pelo meio e lhes pôs em ordem as metades, umas defronte das outras; e não partiu as aves.

[11] Aves de rapina desciam sobre os cadáveres, porém Abrão as enxotava.

O SENHOR entra em aliança com Abrão

[12] Ao pôr-do-sol, caiu profundo sono sobre Abrão, e grande pavor e cerradas trevas o acometeram;

[13] então, lhe foi dito: Sabe, com certeza, que a tua posteridade será peregrina em terra alheia, e será reduzida à escravidão, e será afligida por quatrocentos anos.

[14] Mas também eu julgarei a gente a que têm de sujeitar-se; e depois sairão com grandes riquezas.

[15] E tu irás para os teus pais em paz; serás sepultado em ditosa velhice.

[5]Wamphumisela ngaphandle, wathi: Bheka ngasezulwini, ubale izinkanyezi, uma ungazibala. Wathi kuye: Kuyakuba njalo inzalo yakho.

[6] Wakholwa nguJehova; wambalela lokho kwaba ngukulunga.

[7]Wayesethi kuye: NginguJehova owakuphumisa e-Uri lamaKaledi ukuba ngikunike leli zwe libe yifa lakho.

[8]Wathi: Nkosi Jehova, ngiyokwazi ngani ukuthi ngiyakulidla na?

[9]Wathi kuye: Ngithabathele isithokazi esineminyaka emithathu, nembuzi eyinsikazi eneminyaka emithathu, nenqama eneminyaka emithathu, nehobhe, nephuphu lejuba.

[10] Wamthathela zonke lezo, wazinquma phakathi, wabeka kwaba yileyo naleyo nxenye ukuba ibhekane nenye; kepha izinyoni akazinqumanga.

[11]Amanqe ehlela phezu kwezidumbu; u-Abrama wawaxosha.

[12]Kwathi ngokushona kwelanga ubuthongo obunzima bamehlela u-Abrama; bheka, washaywa luvalo lobumnyama obukhulu.

[13]Wathi ku-Abrama: Yazisisa ukuthi inzalo yakho izakuba ngumfokazi ezweni elingesilo elayo, ibe yizigqila, icindezelwe iminyaka engamakhulu amane.

[14]Kepha leso sizwe eyakuba yizigqila zaso ngiyakusahlulela mina; ngasemuva iyakuphuma inempahla eningi.

[15] Kepha wena uyakuya koyihlo ngokuthula, umbelwe usumdala.

[16] Na quarta geração, tornarão para aqui; porque não se encheu ainda a medida da iniqüidade dos amorreus.
[17] E sucedeu que, posto o sol, houve densas trevas; e eis um fogareiro fumegante e uma tocha de fogo que passou entre aqueles pedaços.

[18] Naquele mesmo dia, fez o SENHOR aliança com Abrão, dizendo: À tua descendência dei esta terra, desde o rio do Egito até ao grande rio Eufrates:

[19] o queneu, o quenezeu, o cadmoneu,

[20] o heteu, o ferezeu, os refains,
[21] o amorreu, o cananeu, o girgaseu e o jebuseu.

Gênesis 16

Sarai e Agar

[1] Ora, Sarai, mulher de Abrão, não lhe dava filhos; tendo, porém, uma serva egípcia, por nome Agar,
[2] disse Sarai a Abrão: Eis que o SENHOR me tem impedido de dar à luz filhos; toma, pois, a minha serva, e assim me edificarei com filhos por meio dela. E Abrão anuiu ao conselho de Sarai.
[3] Então, Sarai, mulher de Abrão, tomou a Agar, egípcia, sua serva, e deu-a por mulher a Abrão, seu marido, depois de ter ele habitado por dez anos na terra de Canaã.
[4] Ele a possuiu, e ela concebeu. Vendo ela que havia concebido, foi sua senhora por ela desprezada.

[16]Esizukulwaneni sesine iyakubuyela lapha, ngokuba ububi bama-Amori abukapheleli.
[17] Kwathi ngokushona kwelanga kwaba mnyama, bheka, nanto iziko elithunqayo, nelangabi lomlilo ladabula phakathi kwalezo zinxenye.
[18]Ngalolo suku uJehova wasenza isivumelwano no-Abrama, wathi: Ngiyakunika inzalo yakho leli zwe, kusukela emfuleni waseGibithe kuze kube semfuleni omkhulu, umfula u-Ewufrathe:
[19]amaKheni, namaKhenizi, namaKadimoni,
[20] namaHeti, namaPherizi, namaRefa,
[21]nama-Amori, namaKhanani, namaGirigashi, namaJebusi.

UGenesise 16

OHagari no-Ishmayeli

[1]USarayi umka-Abrama wayengamzaleli mntwana; kepha wayenencekukazi yaseGibithe, igama layo linguHagari.
[2]USarayi wathi ku-Abrama: Bheka-ke, uJehova ungivalile ekuzaleni; mawungene kuyo incekukazi yami; mhlawumbe ngizakwakhelwa ngayo. U-Abrama walalela izwi likaSarayi.
[3]USarayi, umka-Abrama, wathatha uHagari waseGibithe, incekukazi yakhe, wamnika u-Abrama indoda yakhe abe ngumkakhe, u-Abrama esehlalile iminyaka eyishumi ezweni laseKhanani.
[4]Wangena kuHagari; wakhulelwa. Esebonile ukuthi ukhulelwe, inkosikazi yakhe yadeleleka emehlweni akhe.

[5] Disse Sarai a Abrão: Seja sobre ti a afronta que se me faz a mim. Eu te dei a minha serva para a possuíres; ela, porém, vendo que concebeu, desprezou-me. Julgue o SENHOR entre mim e ti.

[5]USarayi wathi ku-Abrama: Okubi okwenziwe kimi akube phezu kwakho. Mina nganikela incekukazi yami esifubeni sakho; kepha nxa isibonile ukuthi ikhulelwe, ngase ngideleleka emehlweni ayo; uJehova makahlulele icala phakathi kwami nawe.

[6] Respondeu Abrão a Sarai: A tua serva está nas tuas mãos, procede segundo melhor te parecer. Sarai humilhou-a, e ela fugiu de sua presença.

[6]U-Abrama wathi kuSarayi: Bheka, incekukazi yakho isesandleni sakho; yenza kuyo okufanele emehlweni akho. USarayi wayilaya, yabaleka ebusweni bakhe.

[7] Tendo-a achado o Anjo do SENHOR junto a uma fonte de água no deserto, junto à fonte no caminho de Sur,

[7]Ingelosi kaJehova yamfumana ngasemthonjeni wamanzi ehlane, umthombo osendleleni eya eShuri.

[8] disse-lhe: Agar, serva de Sarai, donde vens e para onde vais? Ela respondeu: Fujo da presença de Sarai, minha senhora.

[8]Yathi: Hagari, ncekukazi kaSarayi, uvelaphi na? Uyangaphi na? Wathi: Ngibaleka ebusweni bukaSarayi inkosikazi yami.

[9] Então, lhe disse o Anjo do SENHOR: Volta para a tua senhora e humilha-te sob suas mãos.

[9]Ingelosi kaJehova yathi kuye: Buyela kuyo inkosikazi yakho, uzithobise phansi kwesandla sayo.

[10] Disse-lhe mais o Anjo do SENHOR: Multiplicarei sobremodo a tua descendência, de maneira que, por numerosa, não será contada.

[10]Ingelosi kaJehova yathi futhi kuye: Ngiyakwandisa kakhulu inzalo yakho, ingabe isabalwa ngobuningi bayo.

[11] Disse-lhe ainda o Anjo do SENHOR: Concebeste e darás à luz um filho, a quem chamarás Ismael, porque o SENHOR te acudiu na tua aflição.

[11]Ingelosi kaJehova yathi kuye: Bheka, usukhulelwe; uyakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi u-Ishmayeli, ngokuba uJehova uzwile ukuhlupheka kwakho.

[12] Ele será, entre os homens, como um jumento selvagem; a sua mão será contra todos, e a mão de todos, contra ele; e habitará fronteiro a todos os seus irmãos.

[12] Uyakuba ngumuntu onjengembongolo engathanjisiwe, isandla sakhe simelane nabo bonke, nesandla sabo bonke simelane naye, ahlale ngasempumalanga kwabafowabo bonke.

13 Então, ela invocou o nome do SENHOR, que lhe falava: Tu és Deus que vê; pois disse ela: Não olhei eu neste lugar para aquele que me vê?

14 Por isso, aquele poço se chama Beer-Laai-Roi; está entre Cades e Berede.

Nascimento de Ismael

15 Agar deu à luz um filho a Abrão; e Abrão, a seu filho que lhe dera Agar, chamou-lhe Ismael.

16 Era Abrão de oitenta e seis anos, quando Agar lhe deu à luz Ismael.

13 Wamqamba uJehova owayekhulume kuye igama lokuthi: Wena unguNkulunkulu Obonayo, ngokuba wathi: Imbala ngimbonile ongibonayo na?

14 Ngalokho umthombo wabizwa ngokuthi iBeri Lahayi Royi; bheka, uphakathi kweKadeshi neBeredi.

15 UHagari wamzalela u-Abrama indodana; u-Abrama waqamba igama lendodana yakhe ayizalayo uHagari ngokuthi u-Ishmayeli.

16 U-Abrama wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesithupha mhla uHagari emzalela u-Abrama u-Ishmayeli.

Gênesis 17

Deus muda o nome de Abrão

1 Quando atingiu Abrão a idade de noventa e nove anos, apareceu-lhe o SENHOR e disse-lhe: Eu sou o Deus Todo-Poderoso; anda na minha presença e sê perfeito.

2 Farei uma aliança entre mim e ti e te multiplicarei extraordinariamente.

3 Prostrou-se Abrão, rosto em terra, e Deus lhe falou:

4 Quanto a mim, será contigo a minha aliança; serás pai de numerosas nações.

5 Abrão já não será o teu nome, e sim Abraão; porque por pai de numerosas nações te constituí.

UGenesise 17

Ukuthenjiswa kuka-Isaka

1 U-Abrama eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye uJehova wabonakala ku-Abrama, wathi kuye: NginguNkulunkulu uSomandla; hamba phambi kwami ungenacala.

2 Ngiyakwenza isivumelwano sami phakathi kwami nawe, ngikwandise kakhulu.

3 U-Abrama wayesewa ngobuso bakhe; uNkulunkulu wakhuluma naye, wathi:

4 Bheka, ngokwami isivumelwano sami sikuwe; uyakuba nguyise wezizwe eziningi.

5 Igama lakho alisayikuthiwa u-Abrama, kepha igama lakho lizakuba ngu-Abrahama, ngokuba ngikwenzile uyise wezizwe eziningi.

[6] Far-te-ei fecundo extraordinariamente, de ti farei nações, e reis procederão de ti.

[7] Estabelecerei a minha aliança entre mim e ti e a tua descendência no decurso das suas gerações, aliança perpétua, para ser o teu Deus e da tua descendência.

[8] Dar-te-ei e à tua descendência a terra das tuas peregrinações, toda a terra de Canaã, em possessão perpétua, e serei o seu Deus.

Institui-se a circuncisão

[9] Disse mais Deus a Abraão: Guardarás a minha aliança, tu e a tua descendência no decurso das suas gerações.

[10] Esta é a minha aliança, que guardareis entre mim e vós e a tua descendência: todo macho entre vós será circuncidado.

[11] Circuncidareis a carne do vosso prepúcio; será isso por sinal de aliança entre mim e vós.

[12] O que tem oito dias será circuncidado entre vós, todo macho nas vossas gerações, tanto o escravo nascido em casa como o comprado a qualquer estrangeiro, que não for da tua estirpe.

[13] Com efeito, será circuncidado o nascido em tua casa e o comprado por teu dinheiro; a minha aliança estará na vossa carne e será aliança perpétua.

[14] O incircunciso, que não for circuncidado na carne do prepúcio, essa

[6]Ngiyakwandisa kakhulu inzalo yakho, ngikwenze isizwe, kuvele namakhosi kuwe.

[7]Ngiyakumisa isivumelwano sami phakathi kwami nawe, nenzalo yakho emva kwakho ezizukulwaneni zayo, sibe yisivumelwano esiphakade, ngibe nguNkulunkulu wakho nowenzalo yakho emva kwakho.

[8]Ngiyakunika wena nenzalo yakho emva kwakho izwe ohlala kulo ungumfokazi, izwe lonke laseKhanani, libe yifa laphakade, ngibe nguNkulunkulu wabo.

Ukusoka

[9]Wayesethi uNkulunkulu ku-Abrahama: Wena-ke usuyakusigcina isivumelwano sami kanye nenzalo yakho emva kwakho ezizukulwaneni zayo.

[10] Yilesi isivumelwano sami phakathi kwami nawe nenzalo yakho emva kwakho eniyakusigcina ukuthi bayakusokwa bonke abesilisa bakini.

[11]Niyakusoka inyama yejwabu lenu, kube luphawu lwesivumelwano phakathi kwami nani.

[12]Onezinsuku eziyisishiyagalombili phakathi kwenu uyakusokwa, bonke abesilisa ezizukulwaneni zenu, lowo ozelwe endlini nalowo othengwe ngemali kowezizwe, ongesiye owenzalo yakho.

[13]Makasokwe ozelwe endlini yakho nothengwe ngemali yakho; isivumelwano sami siyakuba senyameni yenu, sibe yisivumelwano esiphakade.

[14]Owesilisa ongasokiwe, engasokwanga enyameni yejwabu lakhe, lowo muntu

vida será eliminada do seu povo; quebrou a minha aliança.

Deus muda o nome de Sarai

[15] Disse também Deus a Abraão: A Sarai, tua mulher, já não lhe chamarás Sarai, porém Sara.

[16] Abençoá-la-ei e dela te darei um filho; sim, eu a abençoarei, e ela se tornará nações; reis de povos procederão dela.

[17] Então, se prostrou Abraão, rosto em terra, e se riu, e disse consigo: A um homem de cem anos há de nascer um filho? Dará à luz Sara com seus noventa anos?

[18] Disse Abraão a Deus: Tomara que viva Ismael diante de ti.

[19] Deus lhe respondeu: De fato, Sara, tua mulher, te dará um filho, e lhe chamarás Isaque; estabelecerei com ele a minha aliança, aliança perpétua para a sua descendência.

[20] Quanto a Ismael, eu te ouvi: abençoá-lo-ei, fá-lo-ei fecundo e o multiplicarei extraordinariamente; gerará doze príncipes, e dele farei uma grande nação.

[21] A minha aliança, porém, estabelecê-la-ei com Isaque, o qual Sara te dará à luz, neste mesmo tempo, daqui a um ano.

[22] E, finda esta fala com Abraão, Deus se retirou dele, elevando-se.

Pratica-se a circuncisão

uyakunqunywa kubantu bakubo, ngokuba waphulile isivumelwano sami.

[15]UNkulunkulu wathi ku-Abrahama: USarayi umkakho awusayikumbiza ngegama lokuthi uSarayi, kepha igama lakhe alibe nguSara.

[16]Ngiyakumbusisa, ngikunike indodana ngaye; yebo, ngiyakumbusisa abe yizizwe, kuvele kuye amakhosi abantu.

[17] U-Abrahama wayesewa ngobuso bakhe, wahleka, wathi enhliziyweni yakhe: Oneminyaka eyikhulu uyakuzalelwa na? USara oneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye uyakuzala na?

[18]Wathi u-Abrahama kuNkulunkulu: Sengathi u-Ishmayeli angaphila phambi kwakho.

[19] UNkulunkulu wathi: Qha, uSara umkakho uyakukuzalela indodana; uyakubiza igama layo ngokuthi u-Isaka; ngiyakusimisa isivumelwano sami naye, sibe yisivumelwano esiphakade nenzalo yakhe emva kwakhe.

[20] Ngo-Ishmayeli lo ngikuzwile; bheka, ngiyakumbusisa, ngimuphe inzalo, ngimandise kakhulu impela, azale izikhulu eziyishumi nambili, ngimenze isizwe esikhulu.

[21] Kepha ngiyakumisa isivumelwano sami no-Isaka azakukuzalela yena uSara ngalesi sikhathi ngomnyaka ozayo.

[22]UNkulunkulu wayeseqeda ukukhuluma naye, wenyuka emshiya u-Abrahama.

Ukusokwa kwabantu baka-Abrahama

[23] Tomou, pois, Abraão a seu filho Ismael, e a todos os escravos nascidos em sua casa, e a todos os comprados por seu dinheiro, todo macho dentre os de sua casa, e lhes circuncidou a carne do prepúcio de cada um, naquele mesmo dia, como Deus lhe ordenara.

[24] Tinha Abraão noventa e nove anos de idade, quando foi circuncidado na carne do seu prepúcio.

[25] Ismael, seu filho, era de treze anos, quando foi circuncidado na carne do seu prepúcio.

[26] Abraão e seu filho, Ismael, foram circuncidados no mesmo dia.

[27] E também foram circuncidados todos os homens de sua casa, tanto os escravos nascidos nela como os comprados por dinheiro ao estrangeiro.

Gênesis 18

O SENHOR e dois anjos aparecem a Abraão

[1] Apareceu o SENHOR a Abraão nos carvalhais de Manre, quando ele estava assentado à entrada da tenda, no maior calor do dia.

[32] Então, fez entrar o homem; descarregaram-lhe os camelos e lhes deram forragem e pasto; deu-se-lhe água para lavar os pés e também aos homens que estavam com ele.
[33] Diante dele puseram comida; porém ele disse: Não comerei enquanto não expuser o propósito a que venho. Labão respondeu-lhe: Dize.
[34] Então, disse: Sou servo de Abraão.
[35] O SENHOR tem abençoado muito ao meu senhor, e ele se tornou grande; deu-

[26]Indoda yayisikhothama, yakhuleka kuJehova,
[27]yathi: Makabongwe uJehova, uNkulunkulu wenkosi yami u-Abrahama, ongayekile ukwenzela inkosi yami umusa neqiniso; uJehova ungiholile mina endleleni kuze kube sendlini yabafowabo benkosi yami.
[28]Kepha intombazana yagijima, yatshela abendlu kanina lezo zinto.
[29]URebeka wayenomnewabo ogama lakhe linguLabani; uLabani wagijimela endle kulowo muntu ngasemthonjeni.
[30]Kwathi esebone icici namasongo ezandleni zikadadewabo, wezwa amazwi kaRebeka udadewabo, ethi: Washo njalo lo muntu kimi, waya kulowo muntu; bheka, wayemi ngakuwo amakamela ngasemthonjeni.
[31]Wathi: Ngena wena obusisekileyo kaJehova; umelani ngaphandle na? Mina sengilungisile indlu nendawo yamakamela.
[32]Wayesengena endlini lowo muntu, wakhumula amakamela, wapha amakamela utshani nefoliji, waletha namanzi okugeza izinyawo zakhe nezinyawo zamadoda anaye.
[33]Kwabekwa phambi kwakhe ukudla ukuba adle, kepha wathi: Angiyikudla ngingakakhulumi indaba yami. Wathi: Khuluma.
[34]Wayesethi: Ngiyinceku ka-Abrahama.
[35]UJehova ubusisile kakhulu inkosi yami, yaze yaba nkulu; uyinike izimvu,

lhe ovelhas e bois, e prata e ouro, e servos e servas, e camelos e jumentos.

nezinkomo, nesiliva, negolide, nezinceku, nezincekukazi, namakamela, nezimbongolo.

36 Sara, mulher do meu senhor, era já idosa quando lhe deu à luz um filho; a este deu ele tudo quanto tem.

36USara umkankosi yami wayizalela inkosi yami indodana esemdala; kuyona inikele konke enakho.

37 E meu senhor me fez jurar, dizendo: Não tomarás esposa para meu filho das mulheres dos cananeus, em cuja terra habito;

37Inkosi yami yangifungisa yathi: Ungathatheli indodana yami umfazi emadodakazini amaKhanani engihlezi ezweni lawo,

38 porém irás à casa de meu pai e à minha família e tomarás esposa para meu filho.

38kepha uye endlini kababa nasezihlotsheni zami, uyithathele khona indodana yami umfazi.

39 Respondi ao meu senhor: Talvez não queira a mulher seguir-me.

39 Ngase ngithi enkosini yami: Mhlawumbe owesifazane akayikungilandela.

40 Ele me disse: O SENHOR, em cuja presença eu ando, enviará contigo o seu Anjo e levará a bom termo a tua jornada, para que, da minha família e da casa de meu pai, tomes esposa para meu filho.

40 Wathi kimi: UJehova, engihambe ebusweni bakhe, uzakuthuma ingelosi yakhe nawe, aphumelelise indlela yakho; uyakuyithathela indodana yami umfazi ezihlotsheni zami nasendlini kababa.

41 Então, serás desobrigado do meu juramento, quando fores à minha família; se não ta derem, desobrigado estarás do meu juramento.

41Lapho uyobe ukhululekile esifungweni sami, nxa ufika ezihlotsheni zami; noma bengamniki kuwe, uyobe usukhululekile esifungweni sami.

42 Hoje, pois, cheguei à fonte e disse comigo: ó SENHOR, Deus de meu senhor Abraão, se me levas a bom termo a jornada em que sigo,

42 Ngase ngifika emthonjeni namuhla, ngithi: Jehova Nkulunkulu wenkosi yami u-Abrahama, uma uphumelelisa indlela yami engiyihambayo,

43 eis-me agora junto à fonte de água; a moça que sair para tirar água, a quem eu disser: dá-me um pouco de água do teu cântaro,

43bheka, sengimi ngasemthonjeni wamanzi; kuyakuthi intombazana eza ukuyokukha, engisho kuyo ukuthi: Ake ungiphuzise ingcosana yamanzi embizeni yakho,

44 e ela me responder: Bebe, e também tirarei água para os teus camelos, seja

44ithi kimi: Phuza wena, futhi ngizakuwakhelela namakamela akho, kube

essa a mulher que o SENHOR designou para o filho de meu senhor.

45 Considerava ainda eu assim, no meu íntimo, quando saiu Rebeca trazendo o seu cântaro ao ombro, desceu à fonte e tirou água. E eu lhe disse: peço-te que me dês de beber.

46 Ela se apressou e, baixando o cântaro do ombro, disse: Bebe, e também darei de beber aos teus camelos. Bebi, e ela deu de beber aos camelos.

47 Daí lhe perguntei: de quem és filha? Ela respondeu: Filha de Betuel, filho de Naor e Milca. Então, lhe pus o pendente no nariz e as pulseiras nas mãos.

48 E, prostrando-me, adorei ao SENHOR e bendisse ao SENHOR, Deus do meu senhor Abraão, que me havia conduzido por um caminho direito, a fim de tomar para o filho do meu senhor uma filha do seu parente.

49 Agora, pois, se haveis de usar de benevolência e de verdade para com o meu senhor, fazei-mo saber; se não, declarai-mo, para que eu vá, ou para a direita ou para a esquerda.

50 Então, responderam Labão e Betuel: Isto procede do SENHOR, nada temos a dizer fora da sua verdade.

51 Eis Rebeca na tua presença; toma-a e vai-te; seja ela a mulher do filho do teu senhor, segundo a palavra do SENHOR.

O casamento de Isaque e Rebeca

yiyo engumfazi uJehova ammiseleyo indodana yenkosi yami.

45 Ngingakaqedi ukukhuluma enhliziyweni yami, bheka, kweza uRebeka enembiza yakhe ehlombe; wehlela emthonjeni, wakha; ngathi kuye: Ake ungiphuzise.

46 Washesha wehlisa imbiza yakhe ehlombe, wathi: Phuza; ngizakuwaphuzisa namakamela akho; ngaphuza-ke; namakamela wawaphuzisa.

47 Ngambuza ngathi: Wena uyindodakazi kabani na? Wathi: Indodakazi kaBetuweli indodana kaNahori, amzalela yona uMilka; ngase ngifaka icici emakhaleni akhe namasongo ezandleni zakhe.

48Ngakhothama, ngakhuleka kuJehova, ngabonga uJehova, uNkulunkulu wenkosi yami u-Abrahama, obengihole endleleni elungileyo ukuba ngithathele indodana yayo indodakazi yomfowabo wenkosi yami.

49Manje-ke uma nithanda ukuyenzela inkosi yami umusa neqiniso, ngitsheleni; uma kungenjalo, ngitsheleni, ukuze ngiphendukele ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo.

50Base bephendula oLabani noBetuweli, bethi: Le ndaba ivela kuJehova; asinakusho lutho kuwe, noma okubi noma okuhle.

51Bheka, uRebeka usebusweni bakho; mthathe, uhambe, abe ngumkandodana yenkosi yakho, njengalokho wakhuluma uJehova.

[52] Tendo ouvido o servo de Abraão tais palavras, prostrou-se em terra diante do SENHOR;	[52]Yathi ukuzwa amazwi abo, inceku ka-Abrahama yakhothama emhlabathini phambi kukaJehova.
[53] e tirou jóias de ouro e de prata e vestidos e os deu a Rebeca; também deu ricos presentes a seu irmão e a sua mãe.	[53]Inceku yakhipha izinto zesiliva nezinto zegolide kanye nezingubo, yazipha uRebeka; yabanika nomnewabo nonina amagugu.
[54] Depois, comeram, e beberam, ele e os homens que estavam com ele, e passaram a noite. De madrugada, quando se levantaram, disse o servo: Permiti que eu volte ao meu senhor.	[54]Base bedla bephuza, yona nabantu eyayinabo, balala; sebevuke ekuseni, yathi: Ngithumeni enkosini yami.
[55] Mas o irmão e a mãe da moça disseram: Fique ela ainda conosco alguns dias, pelo menos dez; e depois irá.	[55]Umnewabo nonina bathi: Ake ihlale kithina intombazana izinsukwana, mhlawumbe eziyishumi, andukuba ihambe.
[56] Ele, porém, lhes disse: Não me detenhais, pois o SENHOR me tem levado a bom termo na jornada; permiti que eu volte ao meu senhor.	[56]Yathi kubo: Ningangilibazisi, njengokuba uJehova eyiphumelelisile indlela yami; ngimukiseni ukuba ngiye enkosini yami.
[57] Disseram: Chamemos a moça e ouçamo-la pessoalmente.	[57]Base bethi: Sizakuyibiza intombazana, sizwe emlonyeni wayo.
[58] Chamaram, pois, a Rebeca e lhe perguntaram: Queres ir com este homem? Ela respondeu: Irei.	[58]Bambiza uRebeka, bathi kuye: Uzakuhamba nale ndoda na? Wathi: Ngizakuhamba.
[59] Então, despediram a Rebeca, sua irmã, e a sua ama, e ao servo de Abraão, e a seus homens.	[59] Base bemukisa udadewabo uRebeka, nomzanyana wakhe, nenceku ka-Abrahama, namadoda ayo.
[60] Abençoaram a Rebeca e lhe disseram: És nossa irmã; sê tu a mãe de milhares de milhares, e que a tua descendência possua a porta dos seus inimigos.	[60]Bambusisa uRebeka, bathi kuye: Dadewethu, yiba wena izinkulungwane zezigidi, inzalo yakho inqobe amasango ezitha zayo.
[61] Então, se levantou Rebeca com suas moças e, montando os camelos, seguiram	[61]URebeka wasuka namantombazana akhe; bagibela amakamela, balandela

o homem. O servo tomou a Rebeca e partiu.

[62] Ora, Isaque vinha de caminho de Beer-Laai-Roi, porque habitava na terra do Neguebe.

[63] Saíra Isaque a meditar no campo, ao cair da tarde; erguendo os olhos, viu, e eis que vinham camelos.

[64] Também Rebeca levantou os olhos, e, vendo a Isaque, apeou do camelo,

[65] e perguntou ao servo: Quem é aquele homem que vem pelo campo ao nosso encontro? É o meu senhor, respondeu. Então, tomou ela o véu e se cobriu.

[66] O servo contou a Isaque todas as coisas que havia feito.

[67] Isaque conduziu-a até à tenda de Sara, mãe dele, e tomou a Rebeca, e esta lhe foi por mulher. Ele a amou; assim, foi Isaque consolado depois da morte de sua mãe.

Gênesis 25

Descendentes de Abraão e Quetura

1 Crônicas 1.32,33

[1] Desposou Abraão outra mulher; chamava-se Quetura.

[2] Ela lhe deu à luz a Zinrã, Jocsã, Medã, Midiã, Isbaque e Suá.

[3] Jocsã gerou a Seba e a Dedã; os filhos de Dedã foram: Assurim, Letusim e Leumim.

[4] Os filhos de Midiã foram: Efá, Efer, Enoque, Abida e Elda. Todos estes foram filhos de Quetura.

indoda; inceku yamthatha uRebeka, yamuka.

[62] Kepha u-Isaka wabuya ngaseBeri Lahayi Royi, ngokuba wayehlala ezweni laseningizimu.

[63]U-Isaka waphuma ntambama ukuyozindla endle; waphakamisa amehlo akhe, wabona; bheka, kweza amakamela.

[64]NoRebeka waphakamisa amehlo akhe; esembonile u-Isaka wehla ekameleni.

[65]Wathi encekwini: Ngubani le ndoda ehamba endle ukuzosihlangabeza na? Yathi inceku: Yinkosi yami, wayesethatha imvakazi yakhe, wagubuzela.

[66]Inceku yayisimtshela u-Isaka konke ebikwenzile.

[67] U-Isaka wamngenisa etendeni likanina uSara, wamthatha uRebeka, wabangumkakhe; wamthanda; u-Isaka wayeseduduzeka emva kokufa kukanina.

UGenesise 25

Amadodana ka-Abrahama kuKetura. Ukufa kuka-Abrahama

[1]U-Abrahama waphinda wathatha umfazi ogama lakhe linguKetura.

[2]Wamzalela oZimrani, noJokishani, noMedani, noMidiyani, no-Ishibaki, noShuwa.

[3]UJokishani wazala oSheba noDedani. Amadodana kaDedani ayengama-Ashuri, namaLetushi, namaLewumi.

[4]Amadodana kaMidiyani ayengo-Efa, no-Eferi, noHanoki, no-Abida, no-Elidaha. Bonke labo babengamadodana kaKetura.

[5] Abraão deu tudo o que possuía a Isaque.

[6] Porém, aos filhos das concubinas que tinha, deu ele presentes e, ainda em vida, os separou de seu filho Isaque, enviando-os para a terra oriental.

A morte de Abraão

[7] Foram os dias da vida de Abraão cento e setenta e cinco anos.

[8] Expirou Abraão; morreu em ditosa velhice, avançado em anos; e foi reunido ao seu povo.

[9] Sepultaram-no Isaque e Ismael, seus filhos, na caverna de Macpela, no campo de Efrom, filho de Zoar, o heteu, fronteiro a Manre,

[10] o campo que Abraão comprara aos filhos de Hete. Ali foi sepultado Abraão e Sara, sua mulher.

[11] Depois da morte de Abraão, Deus abençoou a Isaque, seu filho; Isaque habitava junto a Beer-Laai-Roi.

Descendentes de Ismael

1 Crônicas 1.28-31

[12] São estas as gerações de Ismael, filho de Abraão, que Agar, egípcia, serva de Sara, lhe deu à luz.

[13] E estes, os filhos de Ismael, pelos seus nomes, segundo o seu nascimento: o primogênito de Ismael foi Nebaiote; depois, Quedar, Abdeel, Mibsão,

[14] Misma, Dumá, Massá,

[5] U-Abrahama wamnika u-Isaka konke anakho.

[6]Kepha amadodana ezancinza zika-Abrahama u-Abrahama wawanika izipho nje, wawamukisa ku-Isaka indodana yakhe esekhona, aye ngasempumalanga ezweni lasempumalanga.

[7]Lezi ziyizinsuku zeminyaka yokuhamba kuka-Abrahama azihambayo: iminyaka eyikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu.

[8] U-Abrahama wagqibuka wafa, esemdala egugile, esanelisiwe yizinsuku, wabuthelwa kubantu bakhe.

[9]O-Isaka no-Ishmayeli amadodana akhe bammbela emhumeni waseMakaphela, ensimini ka-Efroni indodana kaSowari umHeti engaphambi kweMamre,

[10] insimu ayithenga u-Abrahama kubo abantwana bakwaHeti; khona wembelwa u-Abrahama noSara umkakhe.

[11] Kwathi emva kokufa kuka-Abrahama uNkulunkulu wambusisa u-Isaka indodana yakhe; u-Isaka wahlala eBeri Lahayi Royi.

Inzalo ka-Ishmayeli

[12] Lezi ziyizizukulwane zika-Ishmayeli indodana ka-Abrahama, uHagari waseGibithe incekukazi kaSara amzalela zona u-Abrahama.

[13] Lawa angamagama amadodana ka-Ishmayeli ngamagama awo nangokuzalwa kwawo: izibulo lika-Ishmayeli nguNebayoti, kanye noKedari, no-Adibeli, noMibisamu,

[14]noMishima, noDuma, noMasa,

[15] Hadade, Tema, Jetur, Nafis e Quedemá.

[16] São estes os filhos de Ismael, e estes, os seus nomes pelas suas vilas e pelos seus acampamentos: doze príncipes de seus povos.

[17] E os anos da vida de Ismael foram cento e trinta e sete; e morreu e foi reunido ao seu povo.

[18] Habitaram desde Havilá até Sur, que olha para o Egito, como quem vai para a Assíria. Ele se estabeleceu fronteiro a todos os seus irmãos.

Descendentes de Isaque

[19] São estas as gerações de Isaque, filho de Abraão. Abraão gerou a Isaque;

[20] era Isaque de quarenta anos, quando tomou por esposa a Rebeca, filha de Betuel, o arameu de Padã-Arã, e irmã de Labão, o arameu.

[21] Isaque orou ao SENHOR por sua mulher, porque ela era estéril; e o SENHOR lhe ouviu as orações, e Rebeca, sua mulher, concebeu.

[22] Os filhos lutavam no ventre dela; então, disse: Se é assim, por que vivo eu? E consultou ao SENHOR.

[23] Respondeu-lhe o SENHOR: Duas nações há no teu ventre, dois povos, nascidos de ti, se dividirão: um povo será mais forte que o outro, e o mais velho servirá ao mais moço.

[15]noHadadi, noThema, noJeturu, noNafishi, noKhedema;

[16]yilawo angamadodana ka-Ishmayeli, yilawo angamagama awo ngemizi yawo nangezikaniso zawo, izikhulu eziyishumi nambili ngezizwe zawo.

[17]Le iyiminyaka yokuhamba kuka-Ishmayeli: iminyaka eyikhulu namashumi amathathu nesikhombisa; wagqibuka wafa, wabuthelwa kubantu bakhe.

[18] Bahlala-ke kwasukela eHavila kwaze kwaba seShuri elingaphambi kwaseGibithe ekuhambeni ukuya e-Asiriya; wakha ngasempumalanga kwabafowabo.

Ukuzalwa kuka-Esawu noJakobe

[19] Lezi ziyizizukulwane zika-Isaka indodana ka-Abrahama: u-Abrahama wazala u-Isaka;

[20]u-Isaka wayeneminyaka engamashumi amane mhla emthatha uRebeka indodakazi kaBetuweli, umAramu wasePhadani Aramu, udadewabo kaLabani umAramu, abe ngumkakhe.

[21]U-Isaka wamkhulekela umkakhe kuJehova, ngokuba wayeyinyumba; uJehova wamzwela; uRebeka umkakhe wakhulelwa.

[22]Abantwana baqhubukushana phakathi kwakhe; wathi: Uma kunje, ngisekhona ngani na? Waya wabuza kuJehova.

[23] UJehova wathi kuye: Esiswini sakho kukhona izizwe ezimbili; izinhlobo ezimbili zabantu ziyakwahlukana ezibilinini zakho; esinye isizwe siyakwahlula esinye, omkhulu akhonze omncane.

[24] Cumpridos os dias para que desse à luz, eis que se achavam gêmeos no seu ventre.

[25] Saiu o primeiro, ruivo, todo revestido de pêlo; por isso, lhe chamaram Esaú.

[26] Depois, nasceu o irmão; segurava com a mão o calcanhar de Esaú; por isso, lhe chamaram Jacó. Era Isaque de sessenta anos, quando Rebeca lhos deu à luz.

Esaú vende o seu direito de primogenitura

[27] Cresceram os meninos. Esaú saiu perito caçador, homem do campo; Jacó, porém, homem pacato, habitava em tendas.

[28] Isaque amava a Esaú, porque se saboreava de sua caça; Rebeca, porém, amava a Jacó.

[29] Tinha Jacó feito um cozinhado, quando, esmorecido, veio do campo Esaú

[30] e lhe disse: Peço-te que me deixes comer um pouco desse cozinhado vermelho, pois estou esmorecido. Daí chamar-se Edom.

[31] Disse Jacó: Vende-me primeiro o teu direito de primogenitura.

[32] Ele respondeu: Estou a ponto de morrer; de que me aproveitará o direito de primogenitura?

[33] Então, disse Jacó: Jura-me primeiro. Ele jurou e vendeu o seu direito de primogenitura a Jacó.

[34] Deu, pois, Jacó a Esaú pão e o cozinhado de lentilhas; ele comeu e bebeu, levantou-se e saiu. Assim,

[24]Kwathi seziphelele izinsuku zakhe zokubeletha, bheka, kwakukhona amawele esiswini sakhe.

[25]Waphuma owokuqala, ebomvana wonke umzimba, enjengengubo yoboya; baqamba igama lakhe ngokuthi u-Esawu.

[26] Emva kwalokho kwaphuma umfowabo, isandla sakhe sibambelele esithendeni sika-Esawu; igama lakhe labizwa ngokuthi uJakobe; u-Isaka wayeneminyaka engamashumi ayisithupha ekuzalweni kwabo.

[27]Abafana bakhula; u-Esawu waba yiphisi, umuntu wasendle; uJakobe waba yibeka, ehlala ematendeni.

[28]U-Isaka wamthanda u-Esawu, ngokuba wayedla inyama yenyamazane yakhe; uRebeka wamthanda uJakobe.

[29]Kwathi uJakobe wapheka ukudla, kwafika u-Esawu evela endle, ediniwe.

[30]U-Esawu wathi kuJakobe: Ake ungiphe ukuba ngidle kokubomvu, kulokho okubomvu, ngokuba sengidiniwe, ngalokho igama lakhe lathiwa u-Edomi.

[31] Wayesethi uJakobe: Thengisa kimi namuhla ngefa lobuzibulo bakho.

[32]Wathi u-Esawu: Bheka, sengizakufa; linosizo luni kimi ifa lobuzibulo bami na?

[33] UJakobe wathi: Funga kimi namuhla. Wayesefunga kuye, wathengisa ngefa lobuzibulo bakhe kuJakobe.

[34]UJakobe wamupha u-Esawu isinkwa nokudla kwembumba; wadla, waphuza,

desprezou Esaú o seu direito de primogenitura.

Gênesis 26

Isaque na terra dos filisteus

[1] Sobrevindo fome à terra, além da primeira havida nos dias de Abraão, foi Isaque a Gerar, avistar-se com Abimeleque, rei dos filisteus.

[2] Apareceu-lhe o SENHOR e disse: Não desças ao Egito. Fica na terra que eu te disser;

[3] habita nela, e serei contigo e te abençoarei; porque a ti e a tua descendência darei todas estas terras e confirmarei o juramento que fiz a Abraão, teu pai.

[4] Multiplicarei a tua descendência como as estrelas dos céus e lhe darei todas estas terras. Na tua descendência serão abençoadas todas as nações da terra;

[5] porque Abraão obedeceu à minha palavra e guardou os meus mandados, os meus preceitos, os meus estatutos e as minhas leis.

[6] Isaque, pois, ficou em Gerar.

[7] Perguntando-lhe os homens daquele lugar a respeito de sua mulher, disse: É minha irmã; pois temia dizer: É minha mulher; para que, dizia ele consigo, os homens do lugar não me matem por amor de Rebeca, porque era formosa de aparência.

[8] Ora, tendo Isaque permanecido ali por muito tempo, Abimeleque, rei dos

wavuka, wahamba; wadelela kanjalo u-Esawu ubuzibulo bakhe.

UGenesise 26

U-Isaka eseGerari naseBeri Sheba

[1] Kwaba khona indlala ezweni ngaphandle kwendlala yokuqala eyayikhona emihleni ka-Abrahama; u-Isaka waya eGerari ku-Abimeleki inkosi yamaFilisti.

[2]UJehova wabonakala kuye, wathi: Ungehleli eGibithe; hlala ezweni engizakukutshela lona,

[3]ugogobale kuleli zwe; ngizakuba nawe, ngikubusise, ngokuba ngiyakunika wena nenzalo yakho onke lawa mazwe, ngigcwalise isifungo engasifunga ku-Abrahama uyihlo.

[4]Ngiyakwandisa inzalo yakho, ibe ngangezinkanyezi zezulu, ngiyiphe inzalo yakho onke lawa mazwe; ngenzalo yakho ziyakubusiswa izizwe zonke zomhlaba,

[5]ngokuba u-Abrahama walalela izwi lami, wagcina ukusho kwami, nemiyalo yami, nezimiso zami, nemithetho yami.

[6]U-Isaka wahlala-ke eGarari.

[7] Amadoda aleyo ndawo ambuza ngomkakhe; wathi: Ungudadewethu, ngokuba wesaba ukusho ukuthi: Ungumkami, ethi: Funa amadoda aleyo ndawo angibulale ngenxa kaRebeka, lokhu ebukeka kahle.

[8]Kwathi esehlale khona isikhathi eside, u-Abimeleki inkosi yamaFilisti walunguza

filisteus, olhando da janela, viu que Isaque acariciava a Rebeca, sua mulher.

9 Então, Abimeleque chamou a Isaque e lhe disse: É evidente que ela é tua esposa; como, pois, disseste: É minha irmã? Respondeu-lhe Isaque: Porque eu dizia: para que eu não morra por causa dela.

10 Disse Abimeleque: Que é isso que nos fizeste? Facilmente algum do povo teria abusado de tua mulher, e tu, atraído sobre nós grave delito.

11 E deu esta ordem a todo o povo: Qualquer que tocar a este homem ou à sua mulher certamente morrerá.

12 Semeou Isaque naquela terra e, no mesmo ano, recolheu cento por um, porque o SENHOR o abençoava.

13 Enriqueceu-se o homem, prosperou, ficou riquíssimo;

14 possuía ovelhas e bois e grande número de servos, de maneira que os filisteus lhe tinham inveja.

15 E, por isso, lhe entulharam todos os poços que os servos de seu pai haviam cavado, nos dias de Abraão, enchendo-os de terra.

16 Disse Abimeleque a Isaque: Aparta-te de nós, porque já és muito mais poderoso do que nós.

17 Então, Isaque saiu dali e se acampou no vale de Gerar, onde habitou.

18 E tornou Isaque a abrir os poços que se cavaram nos dias de Abraão, seu pai (porque os filisteus os haviam entulhado

efasiteleni, wabona; bheka, u-Isaka wayetekula noRebeka umkakhe.

9U-Abimeleki wambiza u-Isaka, wathi: Bheka, impela yena ungumkakho; usholoni ukuthi: Ungudadewethu, na? U-Isaka wathi: Ngokuba ngathi: Funa ngife ngenxa yakhe.

10U-Abimeleki wayesethi: Kuyini okwenzile kithina na? Bekulula ukuba kufike omunye wabantu, alale nomkakho; ubususibangele icala.

11U-Abimeleki wayala bonke abantu, wathi: Othinta lo muntu nomkakhe uzakubulawa nokubulawa.

Amandla ka-Isaka nokuphikisana ngemithombo

12U-Isaka watshala kulelo zwe, wathola ngawona lowo mnyaka okuphindwe kayikhulu, ngokuba uJehova wambusisa.

13Lowo muntu waba mkhulu; kwayilokhu eqhubeka ukukhula njalo, waze waba mkhulu kakhulu.

14Wayenemfuyo yezimvu, nemfuyo yezinkomo, nezinceku eziningi; amaFilisti ayenomhawu ngaye.

15 Yonke imithombo ezaziyimbile izinceku zikayise ezinsukwini zika-Abrahama uyise, amaFilisti ayeyivalile, ayigcwalisa ngomhlabathi.

16U-Abimeleki wathi ku-Isaka: Suka kithina, ngokuba unamandla kakhulu kunathi.

17U-Isaka wayesesuka khona, wakha esigodini saseGerari, wahlala lapho.

18U-Isaka wabuye wemba imithombo yamanzi ababeyimbile ezinsukwini zika-Abrahama uyise, ngokuba amaFilisti

depois da morte de Abraão), e lhes deu os mesmos nomes que já seu pai lhes havia posto.

[19] Cavaram os servos de Isaque no vale e acharam um poço de água nascente.

[20] Mas os pastores de Gerar contenderam com os pastores de Isaque, dizendo: Esta água é nossa. Por isso, chamou o poço de Eseque, porque contenderam com ele.

[21] Então, cavaram outro poço e também por causa desse contenderam. Por isso, recebeu o nome de Sitna.

[22] Partindo dali, cavou ainda outro poço; e, como por esse não contenderam, chamou-lhe Reobote e disse: Porque agora nos deu lugar o SENHOR, e prosperaremos na terra.

[23] Dali subiu para Berseba.

[24] Na mesma noite, lhe apareceu o SENHOR e disse: Eu sou o Deus de Abraão, teu pai. Não temas, porque eu sou contigo; abençoar-te-ei e multiplicarei a tua descendência por amor de Abraão, meu servo.

[25] Então, levantou ali um altar e, tendo invocado o nome do SENHOR, armou a sua tenda; e os servos de Isaque abriram ali um poço.

Isaque faz aliança com Abimeleque

[26] De Gerar foram ter com ele Abimeleque e seu amigo Ausate e Ficol, comandante do seu exército.

ayeyivalile emva kokufa kuka-Abrahama; wayibiza ngamagama ayiqamba ngawo uyise.

[19]Izinceku zika-Isaka zemba esigodini, zafumana umthombo wamanzi aphethuzayo.

[20]Abelusi baseGerari baphikisana nabelusi baka-Isaka, bathi: Amanzi angawethu. Wabiza igama lomthombo ngokuthi i-Eseke, ngokuba baphikisana naye.

[21]Bemba omunye umthombo, baphikisana nangawo. Waqamba igama lawo ngokuthi iSitina.

[22]Wasuka lapho, wemba omunye umthombo; abaphikisananga ngawo; wabiza igama lawo ngokuthi iRehoboti, wathi: Ngokuba uJehova usenzele indawo; siyakwanda ezweni.

Isithembiso sika-Abrahama siyaphindwa ku-Isaka

[23]Wasuka lapho, wakhuphuka waya eBeri Sheba.

[24]UJehova wabonakala kuye ngabona lobo busuku, wathi: NginguNkulunkulu kayihlo u-Abrahama; ungesabi, ngokuba nginawe; ngizakukubusisa, ngiyandise inzalo yakho ngenxa yenceku yami u-Abrahama.

[25] Wakha khona i-altare, wakhuleka egameni likaJehova, wamisa lapho itende lakhe; izinceku zika-Isaka zemba umthombo khona.

Isivumelwano sika-Isaka no-Abimeleki

[26] U-Abimeleki wayeseya kuye evela eGerari, eno-Ahuzati umngane wakhe noPikoli induna yempi yakhe.

[27] Disse-lhes Isaque: Por que viestes a mim, pois me odiais e me expulsastes do vosso meio?

[28] Eles responderam: Vimos claramente que o SENHOR é contigo; então, dissemos: Haja agora juramento entre nós e ti, e façamos aliança contigo.

[29] Jura que nos não farás mal, como também não te havemos tocado, e como te fizemos somente o bem, e te deixamos ir em paz. Tu és agora o abençoado do SENHOR.

[30] Então, Isaque lhes deu um banquete, e comeram e beberam.

[31] Levantando-se de madrugada, juraram de parte a parte; Isaque os despediu, e eles se foram em paz.

[32] Nesse mesmo dia, vieram os servos de Isaque e, dando-lhe notícia do poço que tinham cavado, lhe disseram: Achamos água.

[33] Ao poço, chamou-lhe Seba; por isso, Berseba é o nome daquela cidade até ao dia de hoje.

[34] Tendo Esaú quarenta anos de idade, tomou por esposa a Judite, filha de Beeri, heteu, e a Basemate, filha de Elom, heteu.

[35] Ambas se tornaram amargura de espírito para Isaque e para Rebeca.

Gênesis 27

Isaque abençoa a Jacó e a Esaú

[1] Tendo-se envelhecido Isaque e já não podendo ver, porque os olhos se lhe

[27]U-Isaka wathi kubo: Nizeleni kimi, lokhu niyangizonda, ningixoshile kini, na?

[28]Bathi: Sesibone nokubona ukuthi uJehova unawe. Sathi: Akube khona manje phakathi kwethu isifungo, phakathi kwethu nawe, senze isivumelwano nawe

[29]sokuthi awuyikusenzela okubi, njengokuba singakuthintanga, sikwenzele okuhle kodwa, sakumukisa ngokuthula; wena usubusiswe nguJehova.

[30]Wabenzela idili, badla, baphuza.

[31]Bavuka ekuseni, bafungisana omunye nomunye; u-Isaka wayesebamukisa, basuka kuye ngokuthula.

[32]Kwathi ngalolo suku zafika izinceku zika-Isaka, zamtshela ngomthombo ezaziwumbile, zathi kuye: Sitholile amanzi.

[33] Wayesewubiza ngokuthi iSheba; ngalokho igama lomuzi lithi iBeri Sheba kuze kube namuhla.

Amakhosikazi ka-Esawu

[34] Kwathi u-Esawu eseneminyaka engamashumi amane, wathatha umfazi uJuditi indodakazi kaBeri umHeti noBasemati indodakazi ka-Eloni umHeti.

[35] Baba lusizi enhliziyweni ka-Isaka noRebeka.

UGenesise 27

UJakobe uyazitholela ngenkohliso isibusiso sikayise

[1]Kwathi u-Isaka esemdala namehlo akhe efiphele engasaboni, wabiza u-Esawu

enfraqueciam, chamou a Esaú, seu filho mais velho, e lhe disse: Meu filho! Respondeu ele: Aqui estou!

2 Disse-lhe o pai: Estou velho e não sei o dia da minha morte.

3 Agora, pois, toma as tuas armas, a tua aljava e o teu arco, sai ao campo, e apanha para mim alguma caça,

4 e faze-me uma comida saborosa, como eu aprecio, e traze-ma, para que eu coma e te abençoe antes que eu morra.

5 Rebeca esteve escutando enquanto Isaque falava com Esaú, seu filho. E foi-se Esaú ao campo para apanhar a caça e trazê-la.

6 Então, disse Rebeca a Jacó, seu filho: Ouvi teu pai falar com Esaú, teu irmão, assim:

7 Traze caça e faze-me uma comida saborosa, para que eu coma e te abençoe diante do SENHOR, antes que eu morra.

8 Agora, pois, meu filho, atende às minhas palavras com que te ordeno.

9 Vai ao rebanho e traze-me dois bons cabritos; deles farei uma saborosa comida para teu pai, como ele aprecia;

10 levá-la-ás a teu pai, para que a coma e te abençoe, antes que morra.

11 Disse Jacó a Rebeca, sua mãe: Esaú, meu irmão, é homem cabeludo, e eu, homem liso.

12 Dar-se-á o caso de meu pai me apalpar, e passarei a seus olhos por zombador;

indodana yakhe enkulu, wathi kuye: Ndodana yami! Wathi kuye: Ngilapha.

2 Wayesethi: Bheka, sengimdala, angilwazi usuku lokufa kwami.

3 Ngalokho awuthathe manje izikhali zakho, umgodla wakho nomnsalo wakho, uye endle, ungizingelele inyamazane,

4 ungilungisele isilovela engisithandayo, usilethe kimi ukuba ngidle, umphefumulo wami ukubusise ngingakafi.

5 URebeka wezwa u-Isaka ekhuluma no-Esawu indodana yakhe. U-Esawu waya endle ukuyozingela inyamazane, abuye nayo.

6 URebeka wakhuluma kuJakobe indodana yakhe, wathi: Bheka, ngizwe uyihlo ekhuluma no-Esawu umnewenu, ethi:

7 Ngilethele inyamazane, ungilungisele isilovela, ukuze ngidle, ngikubusise ebusweni bukaJehova ngingakafi.

8 Ngalokho, ndodana yami, lalela izwi lami kulokhu engikuyala ngakho.

9 Yana emhlambini, ungithathele khona amazinyane amabili amahle ezimbuzi, ngilungisele uyihlo isilovela njengalokho akuthandayo,

10 wena usiyise kuyihlo, aze adle, akubusise engakafi.

11 UJakobe wathi kuRebeka unina: Bheka, umnewethu ungumuntu oyinundu, mina ngiluqwatha.

12 Mhlawumbe ubaba uyakungiphatha, ngibe ngokhohlisayo emehlweni akhe, ngizilethele isiqalekiso, kungabi yisibusiso.

assim, trarei sobre mim maldição e não bênção.

[13] Respondeu-lhe a mãe: Caia sobre mim essa maldição, meu filho; atende somente o que eu te digo, vai e traze-mos.

[14] Ele foi, tomou-os e os trouxe a sua mãe, que fez uma saborosa comida, como o pai dele apreciava.

[15] Depois, tomou Rebeca a melhor roupa de Esaú, seu filho mais velho, roupa que tinha consigo em casa, e vestiu a Jacó, seu filho mais novo.

[16] Com a pele dos cabritos cobriu-lhe as mãos e a lisura do pescoço.

[17] Então, entregou a Jacó, seu filho, a comida saborosa e o pão que havia preparado.

[18] Jacó foi a seu pai e disse: Meu pai! Ele respondeu: Fala! Quem és tu, meu filho?

[19] Respondeu Jacó a seu pai: Sou Esaú, teu primogênito; fiz o que me ordenaste. Levanta-te, pois, assenta-te e come da minha caça, para que me abençoes.

[20] Disse Isaque a seu filho: Como é isso que a pudeste achar tão depressa, meu filho? Ele respondeu: Porque o SENHOR, teu Deus, a mandou ao meu encontro.

[21] Então, disse Isaque a Jacó: Chega-te aqui, para que eu te apalpe, meu filho, e veja se és meu filho Esaú ou não.

[13]Unina wayesethi kuye: Isiqalekiso sakho, ndodana yami, masibe phezu kwami; lalela izwi lami, uhambe ukungithathela wona.

[14]Wayesehamba-ke, wawathatha, wawayisa kunina; unina walungisa isilovela njengalokho akuthandayo uyise.

[15]URebeka wayesethatha izingubo ezinhle zika-Esawu indodana yakhe enkulu ezazikuye endlini, wamembathisa zona uJakobe indodana yakhe encane.

[16]Wamnqwambisa izikhumba zamazinyane ezimbuzi ezandleni zakhe nasocwatheni lwentamo.

[17]Wanikela esandleni sikaJakobe indodana yakhe isilovela nesinkwa akulungisileyo.

[18]Yena waya kuyise, wathi: Baba! Wathi yena: Ngilapha; ungubani wena ndodana yami na?

[19]UJakobe wathi kuyise: Ngingu-Esawu izibulo lakho; ngenze njengalokho ungitshelile; mawuvuke, uhlale, udle ukuba umphefumulo wakho ungibusise.

[20]U-Isaka wathi kuyo indodana yakhe: Kwenzeke kanjani ukuba usheshe kangaka ukuyithola, ndodana yami, na? Wathi: Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyenze ukuba ize phambi kwami.

[21]U-Isaka wayesethi kuJakobe: Ake usondele, ngikuphathe, ndodana yami, uma uyindodana yami u-Esawu uqobo noma ungesiyo na?

[22] Jacó chegou-se a Isaque, seu pai, que o apalpou e disse: A voz é de Jacó, porém as mãos são de Esaú.

[23] E não o reconheceu, porque as mãos, com efeito, estavam peludas como as de seu irmão Esaú. E o abençoou.

[24] E lhe disse: És meu filho Esaú mesmo? Ele respondeu: Eu sou.

[25] Então, disse: Chega isso para perto de mim, para que eu coma da caça de meu filho; para que eu te abençoe. Chegou-lho, e ele comeu; trouxe-lhe também vinho, e ele bebeu.

[26] Então, lhe disse Isaque, seu pai: Chega-te e dá-me um beijo, meu filho.

[27] Ele se chegou e o beijou. Então, o pai aspirou o cheiro da roupa dele, e o abençoou, e disse: Eis que o cheiro do meu filho é como o cheiro do campo, que o SENHOR abençoou;

[28] Deus te dê do orvalho do céu, e da exuberância da terra, e fartura de trigo e de mosto.

[29] Sirvam-te povos, e nações te reverenciem; sê senhor de teus irmãos, e os filhos de tua mãe se encurvem a ti; maldito seja o que te amaldiçoar, e abençoado o que te abençoar.

[30] Mal acabara Isaque de abençoar a Jacó, tendo este saído da presença de Isaque, seu pai, chega Esaú, seu irmão, da sua caçada.

[22]UJakobe wasondela ku-Isaka uyise; wamphatha, wathi: Izwi liyizwi likaJakobe, kepha izandla ziyizandla zika-Esawu.

[23]Akamazanga, ngokuba izandla zakhe zazinoboya njengezandla zomnewabo u-Esawu; wayeseyakumbusisa.

[24]Kepha wayesethi: Uyindodana yami u-Esawu uqobo na? Wathi: Nginguye.

[25]Wayesethi: Sondeza kimi, ngidle inyamazane yendodana yami ukuba umphefumulo wami ukubusise. Wayeseyisondeza kuye, wadla; wayisa kuye iwayini, waphuza.

[26]Uyise u-Isaka wathi kuye: Ake usondele ungange, ndodana yami.

[27] Wasondela wamanga, wahogela iphunga lezingubo zakhe, wambusisa wathi: Bheka, iphunga lendodana yami linjengephunga lensimu ebusisiwe nguJehova.

[28]UNkulunkulu makakuphe amazolo ezulu, namanoni omhlaba, nenala yamabele neyewayini.

[29] Abantu mabakukhonze, izizwe zikukhothamele; yiba yinkosi yabafowenu, amadodana kanyoko akukhothamele; makaqalekiswe okuqalekisayo, abusiswe okubusisayo.

[30]Kwathi u-Isaka eseqede ukumbusisa uJakobe, uJakobe esand ukuphuma ebusweni buka-Isaka uyise, wafika u-Esawu umnewabo evela ekuzingeleni kwakhe.

[31] E fez também ele uma comida saborosa, a trouxe a seu pai e lhe disse: Levanta-te, meu pai, e come da caça de teu filho, para que me abençoes.
[32] Perguntou-lhe Isaque, seu pai: Quem és tu? Sou Esaú, teu filho, o teu primogênito, respondeu.

[33] Então, estremeceu Isaque de violenta comoção e disse: Quem é, pois, aquele que apanhou a caça e ma trouxe? Eu comi de tudo, antes que viesses, e o abençoei, e ele será abençoado.

[34] Como ouvisse Esaú tais palavras de seu pai, bradou com profundo amargor e lhe disse: Abençoa-me também a mim, meu pai!
[35] Respondeu-lhe o pai: Veio teu irmão astuciosamente e tomou a tua bênção.
[36] Disse Esaú: Não é com razão que se chama ele Jacó? Pois já duas vezes me enganou: tirou-me o direito de primogenitura e agora usurpa a bênção que era minha. Disse ainda: Não reservaste, pois, bênção nenhuma para mim?

[37] Então, respondeu Isaque a Esaú: Eis que o constituí em teu senhor, e todos os seus irmãos lhe dei por servos; de trigo e de mosto o apercebi; que me será dado fazer-te agora, meu filho?

[38] Disse Esaú a seu pai: Acaso, tens uma única bênção, meu pai? Abençoa-me,

[31]Naye wenza isilovela, wasiyisa kuyise; wathi kuyise: Ubaba makavuke, adle inyamazane yendodana yakhe ukuba umphefumulo wakho ungibusise.
[32]U-Isaka uyise wathi kuye: Ungubani wena na? Wathi: Ngiyindodana yakho, izibulo lakho, u-Esawu.
[33]U-Isaka wayesethuthumela nokuthuthumela kakhulu impela, wathi: Ngubani, pho, othathe inyamazane, wayiletha kimi, ngayidla yonke ungakafiki, ngambusisa, na? Yena uyakuba ngobusisiweyo.

[34]U-Esawu esezwa amazwi kayise wakhala nokukhala kamunyu impela, wathi kuyise: Ngibusise nami, baba!

[35]Wayesethi: Umfowenu ufike ngenkohliso, wathatha isibusiso sakho.

[36] Wathi: Aliqanjwanga kahle igama lakhe ngokuthi uJakobe na? Ngokuba sekukabili engiqinela; wathatha ubuzibulo bami; bheka, manje usethathe isibusiso sami. Wathi: Mina, awungigodlelanga sibusiso na?

[37]U-Isaka waphendula, wathi ku-Esawu: Bheka, ngimmisile abe yinkosi yakho, nabafowabo bonke ngimnike bona babe yizinceku zakhe; ngimphasile ngamabele nangewayini; ngingase ngikwenzeleni wena ndodana yami na?
[38] Wayesethi u-Esawu kuyise: Baba, sinye nje isibusiso sakho na? Ngibusise nami, baba! U-Esawu wadazuluka, wakhala.

também a mim, meu pai. E, levantando Esaú a voz, chorou.

[39] Então, lhe respondeu Isaque, seu pai: Longe dos lugares férteis da terra será a tua habitação, e sem orvalho que cai do alto.

[40] Viverás da tua espada e servirás a teu irmão; quando, porém, te libertares, sacudirás o seu jugo da tua cerviz.

[41] Passou Esaú a odiar a Jacó por causa da bênção, com que seu pai o tinha abençoado; e disse consigo: Vêm próximos os dias de luto por meu pai; então, matarei a Jacó, meu irmão.

[42] Chegaram aos ouvidos de Rebeca estas palavras de Esaú, seu filho mais velho; ela, pois, mandou chamar a Jacó, seu filho mais moço, e lhe disse: Eis que Esaú, teu irmão, se consola a teu respeito, resolvendo matar-te.

[43] Agora, pois, meu filho, ouve o que te digo: retira-te para a casa de Labão, meu irmão, em Harã;

[44] fica com ele alguns dias, até que passe o furor de teu irmão,

[45] e cesse o seu rancor contra ti, e se esqueça do que lhe fizeste. Então, providenciarei e te farei regressar de lá. Por que hei de eu perder os meus dois filhos num só dia?

[46] Disse Rebeca a Isaque: Aborrecida estou da minha vida, por causa das filhas de Hete; se Jacó tomar esposa dentre as

[39]U-Isaka uyise waphendula, wathi kuye: Bheka, umuzi wakho uyakuba kude namanoni omhlaba namazolo ezulu avela phezulu.

[40] Uyakuphila ngenkemba yakho, umkhonze umfowenu; kuyakuthi lapho udlubulunda, uhluzule ijoka lakhe entanyeni yakho.

[41]U-Esawu wayesemzonda uJakobe ngenxa yesibusiso uyise ambusise ngaso; u-Esawu wathi enhliziyweni yakhe: Izinsuku zokulilela ubaba sezisondele; khona ngiyakumbulala umfowethu uJakobe.

[42]URebeka watshelwa amazwi ka-Esawu indodana yakhe enkulu; wathuma wambiza uJakobe indodana yakhe encane, wathi kuye: Bheka, umnewenu u-Esawu uyaziduduza ngawe ngokuthi uyakukubulala.

[43]Ngalokho, ndodana yami, lalela izwi lami: vuka ubalekele kuLabani umfowethu eHarana,

[44]uhlale kuye izinsukwana ezithile, kuze kubohle ukufutheka komfowenu,

[45] kusuke kuwe ukuthukuthela komnewenu, akhohlwe lokho okwenze kuye, bese ngithuma ngikulande khona; ngizakwaphucwa ngani nina nobabili ngalusuku lunye na?

[46] URebeka wayesethi ku-Isaka: Ngidiniwe ukuphila ngenxa yamadodakazi kaHeti; uma uJakobe ethatha umfazi kuwo amadodakazi kaHeti onjengalawa, kuwo

filhas de Hete, tais como estas, as filhas desta terra, de que me servirá a vida?

Gênesis 28

A fuga de Jacó

[1] Isaque chamou a Jacó e, dando-lhe a sua bênção, lhe ordenou, dizendo: Não tomarás esposa dentre as filhas de Canaã.

[2] Levanta-te, vai a Padã-Arã, à casa de Betuel, pai de tua mãe, e toma lá por esposa uma das filhas de Labão, irmão de tua mãe.

[3] Deus Todo-Poderoso te abençoe, e te faça fecundo, e te multiplique para que venhas a ser uma multidão de povos;

[4] e te dê a bênção de Abraão, a ti e à tua descendência contigo, para que possuas a terra de tuas peregrinações, concedida por Deus a Abraão.

[5] Assim, despediu Isaque a Jacó, que se foi a Padã-Arã, à casa de Labão, filho de Betuel, o arameu, irmão de Rebeca, mãe de Jacó e de Esaú.

[6] Vendo, pois, Esaú que Isaque abençoara a Jacó e o enviara a Padã-Arã, para tomar de lá esposa para si; e vendo que, ao abençoá-lo, lhe ordenara, dizendo: Não tomarás mulher dentre as filhas de Canaã;

[7] e vendo, ainda, que Jacó, obedecendo a seu pai e a sua mãe, fora a Padã-Arã;

[8] sabedor também de que Isaque, seu pai, não via com bons olhos as filhas de Canaã,

[9] foi Esaú à casa de Ismael e, além das mulheres que já possuía, tomou por

amadodakazi aleli zwe, kuyakungisiza ngani ukuphila na?

UGenesise 28

UJakobe uyabalekela ezihlotsheni zaseHarana

[1]U-Isaka wambiza uJakobe, wambusisa, wamyala, wathi kuye: Awuyikuthatha umfazi kuwo amadodakazi aseKhanani.

[2] Vuka uye ePhadani Aramu endlini kaBetuweli uyise kanyoko, uzithathele khona umfazi kuwo amadodakazi kaLabani unyokolume.

[3]UNkulunkulu uSomandla makakubusise, akuchumise, akwandise, ube yizizwe eziningi,

[4] akuphe isibusiso sika-Abrahama, wena nenzalo yakho kanye nawe, udle ifa lezwe lokugogobala kwakho uNkulunkulu amnika lona u-Abrahama.

[5]U-Isaka wayesemmukisa uJakobe, waya ePhadani Aramu kuye uLabani indodana kaBetuweli umAramu, umfowabo kaRebeka unina kaJakobe no-Esawu.

[6]U-Esawu ebona ukuthi u-Isaka umbusisile uJakobe, wamthuma ePhadani Aramu ukuyothatha khona umfazi, nokuthi lapho embusisa wamyala wathi: Awuyikuthatha umfazi kuwo amadodakazi aseKhanani,

[7]nokuthi uJakobe walalela uyise nonina, waya ePhadani Aramu,

[8]khona u-Esawu wabona ukuthi amadodakazi aseKhanani mabi emehlweni ka-Isaka uyise,

[9] waya ku-Ishmayeli, wathatha uMahalati indodakazi ka-Ishmayeli indodana ka-

mulher a Maalate, filha de Ismael, filho de Abraão, e irmã de Nebaiote.

A visão da escada

10 Partiu Jacó de Berseba e seguiu para Harã.

11 Tendo chegado a certo lugar, ali passou a noite, pois já era sol-posto; tomou uma das pedras do lugar, fê-la seu travesseiro e se deitou ali mesmo para dormir.

12 E sonhou: Eis posta na terra uma escada cujo topo atingia o céu; e os anjos de Deus subiam e desciam por ela.

13 Perto dele estava o SENHOR e lhe disse: Eu sou o SENHOR, Deus de Abraão, teu pai, e Deus de Isaque. A terra em que agora estás deitado, eu ta darei, a ti e à tua descendência.

14 A tua descendência será como o pó da terra; estender-te-ás para o Ocidente e para o Oriente, para o Norte e para o Sul. Em ti e na tua descendência serão abençoadas todas as famílias da terra.

15 Eis que eu estou contigo, e te guardarei por onde quer que fores, e te farei voltar a esta terra, porque te não desampararei, até cumprir eu aquilo que te hei referido.

16 Despertado Jacó do seu sono, disse: Na verdade, o SENHOR está neste lugar, e eu não o sabia.

17 E, temendo, disse: Quão temível é este lugar! É a Casa de Deus, a porta dos céus.

Abrahama, udadewabo kaNebayoti, abe ngumkakhe kanye nabafazi ayesenabo.

Iphupho likaJakobe eseBethele

10UJakobe wayesemuka eBeri Sheba, waya eHarana.

11Wafika endaweni ethile, wahlala khona ubusuku bonke, ngokuba ilanga lase lishonile; wathatha elinye lamatshe aleyondawo, walibeka phansi kwekhanda lakhe, walala kuleyo ndawo.

12 Waphupha, bheka, nanko umkhwelo umiswe emhlabathini, isihloko sawo sifinyelela ezulwini; nezingelosi zikaNkulunkulu zenyuka, zehla kuwo.

13Bheka, uJehova wayemi ngaphezu kwawo, wathi: NginguJehova uNkulunkulu ka-Abrahama uyihlo, noNkulunkulu ka-Isaka; leli zwe olele kulo ngizakulinika wena nenzalo yakho.

14 Inzalo yakho iyakuba ngangothuli lomhlabathi, wena usabalalele ngasentshonalanga, nasempumalanga, nasenyakatho, naseningizimu; ngawe nangenzalo yakho iyakubusiswa imindeni yonke yomhlaba.

15Bheka, nginawe; ngiyakukulondoloza nakuphi lapho uya khona, ngikubuyisele kuleli zwe, ngokuba angiyikukushiya, ngingakakwenzi lokho engikushilo kuwe.

16Wayesephaphama uJakobe ebuthongweni bakhe, wathi: Imbala uJehova ukule ndawo, mina-ke bengingakwazi.

17Washaywa luvalo, wathi: Yeka ukwesabeka kwale ndawo! Akusikho

okunye, yindlu kaNkulunkulu kuphela, yisango lezulu.

A coluna de Betel

[18] Tendo-se levantado Jacó, cedo, de madrugada, tomou a pedra que havia posto por travesseiro e a erigiu em coluna, sobre cujo topo entornou azeite.

[19] E ao lugar, cidade que outrora se chamava Luz, deu o nome de Betel.

[20] Fez também Jacó um voto, dizendo: Se Deus for comigo, e me guardar nesta jornada que empreendo, e me der pão para comer e roupa que me vista,

[21] de maneira que eu volte em paz para a casa de meu pai, então, o SENHOR será o meu Deus;

[22] e a pedra, que erigi por coluna, será a Casa de Deus; e, de tudo quanto me concederes, certamente eu te darei o dízimo.

[18] UJakobe wavuka ekuseni, walithatha itshe abelibeke phansi kwekhanda lakhe, walimisa laba yinsika, wathela amafutha esihlokweni salo.

[19] Waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBethele; kuqala igama lomuzi laliyiLuze.

[20]UJakobe wenza isithembiso, wathi: Uma uNkulunkulu eyakuba nami, angilondoloze kule ndlela engihamba ngayo, angiphe isinkwa sokudliwa nezingubo zokwembatha,

[21]ukuze ngibuyele endlini kababa ngokuthula, khona uJehova uyakuba nguNkulunkulu wami,

[22] naleli tshe engilimise libe yinsika liyakuba yindlu kaNkulunkulu, nakukho konke oyakungipha khona ngiyakukunika okweshumi.

Gênesis 29

Jacó encontra-se com Raquel

[1] Pôs-se Jacó a caminho e se foi à terra do povo do Oriente.

[2] Olhou, e eis um poço no campo e três rebanhos de ovelhas deitados junto dele; porque daquele poço davam de beber aos rebanhos; e havia grande pedra que tapava a boca do poço.

[3] Ajuntavam-se ali todos os rebanhos, os pastores removiam a pedra da boca do poço, davam de beber às ovelhas e tornavam a colocá-la no seu devido lugar.

UGenesise 29

UJakobe engasemthonjeni waseHarana

[1]Wayesesuka uJakobe, waya ezweni labantu basempumalanga.

[2]Wabheka, nanko umthombo endle, nemihlambi emithathu yezimvu ilele ngakuwo, ngokuba kulowo mthombo babephuzisa imihlambi; itshe elalisemlonyeni womthombo lalilikhulu kakhulu.

[3]Kwabuthelwa khona imihlambi yonke, balisusa itshe emlonyeni womthombo, baphuzisa izimvu, balibuyisela itshe emlonyeni womthombo endaweni yalo.

[4] Perguntou-lhes Jacó: Meus irmãos, donde sois? Responderam: Somos de Harã.

[5] Perguntou-lhes: Conheceis a Labão, filho de Naor? Responderam: Conhecemos.

[6] Ele está bom? Perguntou ainda Jacó. Responderam: Está bom. Raquel, sua filha, vem vindo aí com as ovelhas.

[7] Então, lhes disse: É ainda pleno dia, não é tempo de se recolherem os rebanhos; dai de beber às ovelhas e ide apascentá-las.

[8] Não o podemos, responderam eles, enquanto não se ajuntarem todos os rebanhos, e seja removida a pedra da boca do poço, e lhes demos de beber.

[9] Falava-lhes ainda, quando chegou Raquel com as ovelhas de seu pai; porque era pastora.

[10] Tendo visto Jacó a Raquel, filha de Labão, irmão de sua mãe, e as ovelhas de Labão, chegou-se, removeu a pedra da boca do poço e deu de beber ao rebanho de Labão, irmão de sua mãe.

[11] Feito isso, Jacó beijou a Raquel e, erguendo a voz, chorou.

[12] Então, contou Jacó a Raquel que ele era parente de seu pai, pois era filho de Rebeca; ela correu e o comunicou a seu pai.

[13] Tendo Labão ouvido as novas de Jacó, filho de sua irmã, correu-lhe ao encontro, abraçou-o, beijou-o e o levou para casa. E

[4]UJakobe wathi kubo: Bazalwane, nivelaphi na? Bathi: SingabakwaHarana.

[5] Wayesethi kubo: Niyamazi uLabani indodana kaNahori na? Bathi: Siyamazi.

[6]Wathi kubo: Usahlezi kahle na? Bathi: Uhlezi kahle. Nangu uRaheli indodakazi yakhe; uyeza nezimvu.

[7]Wathi: Bheka, kusesemini kakhulu, akusiso isikhathi sokuba zibuthwe izinkomo; phuzisani izimvu, nihambe niziklabise.

[8]Base bethi: Singekwenze lokho ingakabuthani imihlambi yonke, balisuse itshe emlonyeni womthombo; yikhona siyakuphuzisa izimvu.

Ukubonana kukaJakobe noRaheli

[9]Esakhuluma nabo, uRaheli wafika nezimvu zikayise, ngokuba wayezalusa.

[10]Kwathi uJakobe ebona uRaheli indodakazi kaLabani uninalume nezimvu zikaLabani uninalume, uJakobe wasondela, wasusa itshe emlonyeni womthombo, waziphuzisa izimvu zikaLabani uninalume.

[11]UJakobe wamanga uRaheli, waphakamisa izwi lakhe, wakhala.

[12]UJakobe wayesemtshela uRaheli ukuthi ungumfowabo kayise nokuthi uyindodana kaRebeka; wagijima, watshela uyise.

[13]Kwathi uLabani esezwe indaba kaJakobe indodana kadadewabo, wagijima ukuyomhlangabeza, wamgona, wamanga,

contou Jacó a Labão os acontecimentos de sua viagem.

[14] Disse-lhe Labão: De fato, és meu osso e minha carne. E Jacó, pelo espaço de um mês, permaneceu com ele.

[15] Depois, disse Labão a Jacó: Acaso, por seres meu parente, irás servir-me de graça? Dize-me, qual será o teu salário?

[16] Ora, Labão tinha duas filhas: Lia, a mais velha, e Raquel, a mais moça.

[17] Lia tinha os olhos baços, porém Raquel era formosa de porte e de semblante.

[18] Jacó amava a Raquel e disse: Sete anos te servirei por tua filha mais moça, Raquel.

[19] Respondeu Labão: Melhor é que eu ta dê, em vez de dá-la a outro homem; fica, pois, comigo.

[20] Assim, por amor a Raquel, serviu Jacó sete anos; e estes lhe pareceram como poucos dias, pelo muito que a amava.

Lia e Raquel

[21] Disse Jacó a Labão: Dá-me minha mulher, pois já venceu o prazo, para que me case com ela.

[22] Reuniu, pois, Labão todos os homens do lugar e deu um banquete.

[23] À noite, conduziu a Lia, sua filha, e a entregou a Jacó. E coabitaram.

wamngenisa endlini yakhe; wayesetshela uLabani zonke lezi zinto.

[14]ULabani wathi kuye: Impela uyithambo lami nenyama yami. Wahlala kuye inyanga yonke.

UJakobe uqala ukusebenza kuLabani

[15]ULabani wayesethi kuJakobe: Lokhu ungumfowethu, ubuzakungisebenzela ngeze na? Ngitshele ukuthi umvuzo wakho uyakuba yini na?

[16]ULabani wayenamadodakazi amabili; igama lenkulu lalinguLeya, igama lencane lalinguRaheli.

[17]Amehlo kaLeya ayebuthakathaka, kepha uRaheli wayemuhle ngesimo, ebukeka kahle.

[18] UJakobe wamthanda uRaheli; wathi: Ngizakukusebenzela iminyaka eyisikhombisa ngoRaheli indodakazi yakho encane.

[19]Wayesethi uLabani: Kuhle ukuba ngimnike wena kunokuba ngimnike enye indoda; hlala kimi.

[20]UJakobe wayesesebenzela uRaheli iminyaka eyisikhombisa; yayisemehlweni akhe njengezinsuku eziyingcosana nje ngenxa yokumthanda kwakhe.

[21]UJakobe wathi kuLabani: Nginike umkami, ngokuba izinsuku zami seziphelile, ngize ngingene kuye.

[22]ULabani wabutha abantu bonke bakuleyo ndawo, wenza idili.

[23]Kepha kwathi kusihlwa wathatha uLeya indodakazi yakhe, wamyisa kuye; wangena kuye.

[24] (Para serva de Lia, sua filha, deu Labão Zilpa, sua serva.)

[24]ULabani wanika indodakazi yakhe uLeya incekukazi yakhe uZilipa, abe yincekukazi yakhe.

[25] Ao amanhecer, viu que era Lia. Por isso, disse Jacó a Labão: Que é isso que me fizeste? Não te servi eu por amor a Raquel? Por que, pois, me enganaste?

[25]Kwathi ekuseni, bheka, kunguLeya; wayesethi kuLabani: Kuyini lokhu okwenzile kimi na? Angikusebenzelanga ngoRaheli na? Ungikhohliseleni na?

[26] Respondeu Labão: Não se faz assim em nossa terra, dar-se a mais nova antes da primogênita.

[26]Wathi uLabani: Akwenziwa njalo endaweni yakithi ukuba kuganiswe omncane ngaphambi komkhulu.

[27] Decorrida a semana desta, dar-te-emos também a outra, pelo trabalho de mais sete anos que ainda me servirás.

[27]Qeda isonto lalona, sikuphe nomunye ngomsebenzi osezakuwusebenza kimi eminye iminyaka eyisikhombisa.

[28] Concordou Jacó, e se passou a semana desta; então, Labão lhe deu por mulher Raquel, sua filha.

[28]UJakobe wenze njalo, waqeda isonto lakhe; wamupha uRaheli indodakazi yakhe, abe ngumkakhe.

[29] (Para serva de Raquel, sua filha, deu Labão a sua serva Bila.)

[29]ULabani wanika indodakazi yakhe uRaheli incekukazi yakhe uBiliha, abe yincekukazi yakhe.

[30] E coabitaram. Mas Jacó amava mais a Raquel do que a Lia; e continuou servindo a Labão por outros sete anos.

[30]Wangena nakuye uRaheli, wathanda uRaheli kakhulu kunoLeya; wayesesebenza kuye eminye iminyaka eyisikhombisa.

Os filhos de Jacó

Amadodana okuqala kaJakobe

[31] Vendo o SENHOR que Lia era desprezada, fê-la fecunda; ao passo que Raquel era estéril.

[31]UJehova ebona ukuthi uLeya uyazondwa, wavula isizalo sakhe; kepha uRaheli wayeyinyumba.

[32] Concebeu, pois, Lia e deu à luz um filho, a quem chamou Rúben, pois disse: O SENHOR atendeu à minha aflição. Por isso, agora me amará meu marido.

[32]ULeya wakhulelwa, wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uRubeni, ngokuba wathi: UJehova ubonile ukuhlupheka kwami; manje umyeni wami uyakungithanda.

[33] Concebeu outra vez, e deu à luz um filho, e disse: Soube o SENHOR que era preterida e me deu mais este; chamou-lhe, pois, Simeão.

[33]Wabuye wakhulelwa, wazala indodana, wathi: Lokhu uJehova ezwe ukuthi ngiyazondwa, ungiphile nalena futhi, waqamba igama layo ngokuthi uSimeyoni.

[34] Outra vez concebeu Lia, e deu à luz um filho, e disse: Agora, desta vez, se unirá mais a mim meu marido, porque lhe dei à luz três filhos; por isso, lhe chamou Levi.

[35] De novo concebeu e deu à luz um filho; então, disse: Esta vez louvarei o SENHOR. E por isso lhe chamou Judá; e cessou de dar à luz.

[34]Wabuye wakhulelwa, wazala indodana, wathi: Manje ngalesi sikhathi umyeni wami uyakunamathela kimi, ngokuba ngimzalele amadodana amathathu, ngalokho waqamba igama layo ngokuthi uLevi.

[35]Wakhulelwa futhi, wazala indodana, wathi: Sengiyakumdumisa uJehova, ngalokho waqamba igama layo ngokuthi uJuda; wayesekhawula ukuzala.

Gênesis 30

[1] Vendo Raquel que não dava filhos a Jacó, teve ciúmes de sua irmã e disse a Jacó: Dá-me filhos, senão morrerei.

[2] Então, Jacó se irou contra Raquel e disse: Acaso, estou eu em lugar de Deus que ao teu ventre impediu frutificar?

[3] Respondeu ela: Eis aqui Bila, minha serva; coabita com ela, para que dê à luz, e eu traga filhos ao meu colo, por meio dela.

[4] Assim, lhe deu a Bila, sua serva, por mulher; e Jacó a possuiu.

[5] Bila concebeu e deu à luz um filho a Jacó.

[6] Então, disse Raquel: Deus me julgou, e também me ouviu a voz, e me deu um filho; portanto, lhe chamou Dã.

[7] Concebeu outra vez Bila, serva de Raquel, e deu à luz o segundo filho a Jacó.

UGenesise 30

Abanye abantwana bakaJakobe nemfuyo yakhe

[1]URaheli esebonile ukuthi wayengamzaleli uJakobe abantwana, uRaheli waba nomhawu ngodadewabo, wathi kuJakobe: Ngiphe abantwana, funa ngife.

[2]Intukuthelo kaJakobe yayisivuthela uRaheli, wathi: Ngisesikhundleni sikaNkulunkulu okwenqabele isithelo sesizalo na?

[3] Wathi: Nansi incekukazi yami uBiliha; ngena kuye, ukuze azalele emathangeni ami, ngakheke nami ngaye.

[4]Wayesemupha uBiliha incekukazi yakhe, abe ngumkakhe; uJakobe wangena kuye.

[5]UBiliha wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana.

[6]Wayesethi uRaheli: UNkulunkulu ungahlulele, futhi wezwa izwi lami: wangipha indodana, ngalokho waqamba igama layo ngokuthi uDani.

[7]UBiliha incekukazi kaRaheli wabuye wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana yesibili.

[8] Disse Raquel: Com grandes lutas tenho competido com minha irmã e logrei prevalecer; chamou-lhe, pois, Naftali.	[8]URaheli wathi: Ngokubambana ngibambene nodadewethu ngamandla kaNkulunkulu, ngamahlula, waqamba igama layo ngokuthi uNafetali.
[9] Vendo Lia que ela mesma cessara de conceber, tomou também a Zilpa, sua serva, e deu-a a Jacó, por mulher.	[9]ULeya esebonile ukuthi ukhawulile ukuzala, wamthatha uZilipa incekukazi yakhe, wamupha uJakobe, abe ngumkakhe.
[10] Zilpa, serva de Lia, deu a Jacó um filho.	[10]UZilipa incekukazi kaLeya wamzalela uJakobe indodana.
[11] Disse Lia: Afortunada! E lhe chamou Gade.	[11]ULeya wayesethi: Kwenziwe inhlanhla, waqamba igama layo ngokuthi uGadi.
[12] Depois, Zilpa, serva de Lia, deu o segundo filho a Jacó.	[12]UZilipa incekukazi kaLeya wamzalela indodana yesibili.
[13] Então, disse Lia: É a minha felicidade! Porque as filhas me terão por venturosa; e lhe chamou Aser.	[13]Wayesethi uLeya: Yisibusiso sami! Ngokuba izintombi ziyakungibiza ngokuthi ngingobusisiweyo, waqamba igama layo ngokuthi u-Asheri.
[14] Foi Rúben nos dias da ceifa do trigo, e achou mandrágoras no campo, e trouxe-as a Lia, sua mãe. Então, disse Raquel a Lia: Dá-me das mandrágoras de teu filho.	[14]Ngesikhathi sokuvuna ukolweni uRubeni waya wafumana amamandragora endle, wawayisa kunina uLeya. URaheli wayesethi kuLeya: Ake ungiphe amamandragora endodana yakho.
[15] Respondeu ela: Achas pouco o me teres levado o marido? Tomarás também as mandrágoras de meu filho? Disse Raquel: Ele te possuirá esta noite, a troco das mandrágoras de teu filho.	[15]Wathi kuye: Kuncane yini ukuba uthathile umyeni wami na? Usuyakuthatha namamandragora endodana yami na? URaheli wathi: Ngalokho uzakulala nawe ngalobu busuku ngamamandragora endodana yakho.
[16] À tarde, vindo Jacó do campo, saiu-lhe ao encontro Lia e lhe disse: Esta noite me possuirás, pois eu te aluguei pelas mandrágoras de meu filho. E Jacó, naquela noite, coabitou com ela.	[16]Kusihlwa uJakobe esebuya endle, uLeya waya ukumhlangabeza, wathi: Ngena kimi, ngokuba impela ngikuqashile ngamamandragora endodana yami. Wayeselala naye ngalobo busuku.

[17] Ouviu Deus a Lia; ela concebeu e deu à luz o quinto filho.

[17]UNkulunkulu wamuzwa uLeya; wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana yesihlanu.

[18] Então, disse Lia: Deus me recompensou, porque dei a minha serva a meu marido; e chamou-lhe Issacar.

[18]Wayesethi uLeya: UNkulunkulu unginikile umvuzo, lokhu ngamnika umyeni wami incekukazi yami, waqamba igama lakhe ngokuthi u-Isakare.

[19] E Lia, tendo concebido outra vez, deu a Jacó o sexto filho.

[19]ULeya wabuye wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana yesithupha.

[20] E disse: Deus me concedeu excelente dote; desta vez permanecerá comigo meu marido, porque lhe dei seis filhos; e lhe chamou Zebulom.

[20]Wayesethi uLeya: UNkulunkulu ungiphe isipho esihle; manje umyeni wami useyakuhlala kimi, ngokuba ngimzalele amadodana ayisithupha, waqamba igama layo ngokuthi uZebuloni.

[21] Depois disto, deu à luz uma filha e lhe chamou Diná.

[21]Ngasemuva wazala indodakazi, waqamba igama layo ngokuthi uDina.

[22] Lembrou-se Deus de Raquel, ouviu-a e a fez fecunda.

[22]UNkulunkulu wamkhumbula uRaheli, uNkulunkulu wamuzwa, wavula isizalo sakhe.

[23] Ela concebeu, deu à luz um filho e disse: Deus me tirou o meu vexame.

[23]Wakhulelwa, wazala indodana, wathi: UNkulunkulu ususile ihlazo lami.

[24] E lhe chamou José, dizendo: Dê-me o SENHOR ainda outro filho.

[24]Waqamba igama layo ngokuthi uJosefa, ethi: UJehova makangenezelele nenye indodana futhi.

[25] Tendo Raquel dado à luz a José, disse Jacó a Labão: Permite-me que eu volte ao meu lugar e à minha terra.

[25]Kwathi uRaheli esemzalile uJosefa, uJakobe wathi kuLabani: Ngimukise ukuba ngiye endaweni yami ezweni lakithi.

[26] Dá-me meus filhos e as mulheres, pelas quais eu te servi, e partirei; pois tu sabes quanto e de que maneira te servi.

[26] Ngiphe omkami nabantwana bami engikusebenzele ngabo, ngihambe, ngokuba uyawazi umsebenzi engikwenzele wona.

Labão faz novo pacto com Jacó

[27] Labão lhe respondeu: Ache eu mercê diante de ti; fica comigo. Tenho experimentado que o SENHOR me abençoou por amor de ti.

[27]ULabani wayesethi kuye: Ake ngifumane umusa emehlweni akho. Sengibonile ukuthi uJehova ungibusisile ngenxa yakho.

[28] E disse ainda: Fixa o teu salário, que te pagarei.

[29] Disse-lhe Jacó: Tu sabes como te venho servindo e como cuidei do teu gado.

[30] Porque o pouco que tinhas antes da minha vinda foi aumentado grandemente; e o SENHOR te abençoou por meu trabalho. Agora, pois, quando hei de eu trabalhar também por minha casa?

[31] Então, Labão lhe perguntou: Que te darei? Respondeu Jacó: Nada me darás; tornarei a apascentar e a guardar o teu rebanho, se me fizeres isto:

[32] Passarei hoje por todo o teu rebanho, separando dele os salpicados e malhados, e todos os negros entre os cordeiros, e o que é malhado e salpicado entre as cabras; será isto o meu salário.

[33] Assim, responderá por mim a minha justiça, no dia de amanhã, quando vieres ver o meu salário diante de ti; o que não for salpicado e malhado entre as cabras e negro entre as ovelhas, esse, se for achado comigo, será tido por furtado.

[34] Disse Labão: Pois sim! Seja conforme a tua palavra.

[35] Mas, naquele mesmo dia, separou Labão os bodes listados e malhados e todas as cabras salpicadas e malhadas, todos os que tinham alguma brancura e

[28]Wathi futhi: Nquma umvuzo wakho, ngikuphe wona.

[29]Wathi kuye: Uyazi wena ukuthi ngikukhonze kanjani nokuthi izinkomo zakho zazinjani kimi.

[30]Ngokuba kwakukuncane okwakho ngingakafiki; kepha kwandile, sekukuningi; uJehova ukubusisile ezinyathelweni zami; manje ngiyakuyisebenzela nini eyami indlu na?

[31]Wathi: Ngiyakukuphani na? Wathi uJakobe: Awuyikunginika lutho; uma ungenzela lokhu, ngiyakubuye ngaluse umhlambi wakho, ngiwulinde.

[32]Namuhla ngiyakudabula emhlambini wakho wonke, ngikhiphe khona zonke ezimanakanaka nezimagqabhagqabha, nazo zonke ezimnyama ezimvini, nezimagqabhagqabha nezimanakanaka ezimbuzini, kube ngumvuzo wami.

[33]Ukulunga kwami kuyakungifakazela ngesikhathi esizayo, lapho ufika ngomvuzo wami osebusweni bakho, ukuthi zonke ezingemanakanaka nezingemagqabhagqabha ezimbuzini, nezingemnyama ezimvini ezikimi, mazithiwe zebiwe.

[34]Wayesethi uLabani: Bheka, makube njengezwi lakho.

[35]Ngalowo muhla wakhipha izimpongo ezinemishwe nezimagqabhagqabha, nezimbuzikazi zonke ezimanakanaka nezimagqabhagqabha, zonke ezinokumhlophe, nezimnyama zonke

todos os negros entre os cordeiros; e os passou às mãos de seus filhos.

[36] E pôs a distância de três dias de jornada entre si e Jacó; e Jacó apascentava o restante dos rebanhos de Labão.

Jacó se enriquece

[37] Tomou, então, Jacó varas verdes de álamo, de aveleira e de plátano e lhes removeu a casca, em riscas abertas, deixando aparecer a brancura das varas,

[38] as quais, assim escorchadas, pôs ele em frente do rebanho, nos canais de água e nos bebedouros, aonde os rebanhos vinham para dessedentar-se, e conceberam quando vinham a beber.

[39] E concebia o rebanho diante das varas, e as ovelhas davam crias listadas, salpicadas e malhadas.

[40] Então, separou Jacó os cordeiros e virou o rebanho para o lado dos listados e dos pretos nos rebanhos de Labão; e pôs o seu rebanho à parte e não o juntou com o rebanho de Labão.

[41] E, todas as vezes que concebiam as ovelhas fortes, punha Jacó as varas à vista do rebanho nos canais de água, para que concebessem diante das varas.

[42] Porém, quando o rebanho era fraco, não as punha; assim, as fracas eram de Labão, e as fortes, de Jacó.

[43] E o homem se tornou mais e mais rico; teve muitos rebanhos, e servas, e servos, e camelos, e jumentos.

ezimvini, wazinikela esandleni samadodana akhe.

[36]Wamisa ibanga lezinsuku ezintathu phakathi kwakhe noJakobe; uJakobe walusa imihlambi eseleyo kaLabani.

[37]UJakobe wathatha izinti ezimanzi zompopula nezomalimondi nezompelatani, wazebula imishwe emhlophe, wambula okumhlophe okusezintini.

[38] Wazifaka izinti abezebulile emikhombeni nasemiqengqeni yamanzi phambi kwemihlambi, lapho imihlambi iza khona ukuphuza; yamitha ekufikeni kwayo ukuphuza.

[39]Imihlambi yamitha phambi kwezinti, imihlambi yazala ezinemishwe, nezimanakanaka, nezimagqabhagqabha.

[40]UJakobe wayesahlukanisa amawundlu, wabhekisa ubuso bemihlambi kwezinemishwe nakwezimnyama emhlambini kaLabani; wabeka amaqembu akhe abe wodwa engawafaki emhlambini kaLabani.

[41]Kwathi lapho ibiyakumitha imihlambi eqinileyo, uJakobe wabeka izinti phambi kwamehlo emihlambi emiqengqeni ukuba imithe phakathi kwezinti.

[42]Kepha lapho umhlambi wawubuthakathaka, akazifakanga; yathi-ke ebuthakathaka yaba ngekaLabani neqinileyo yaba ngekaJakobe.

[43]Yayisikhula kakhulu impela le ndoda, yaba nemihlambi emikhulu,

nezincekukazi, nezinceku, namakamela, nezimbongolo.

Gênesis 31

Jacó retorna à terra de seus pais

[1] Então, ouvia Jacó os comentários dos filhos de Labão, que diziam: Jacó se apossou de tudo o que era de nosso pai; e do que era de nosso pai juntou ele toda esta riqueza.

[2] Jacó, por sua vez, reparou que o rosto de Labão não lhe era favorável, como anteriormente.

[3] E disse o SENHOR a Jacó: Torna à terra de teus pais e à tua parentela; e eu serei contigo.

[4] Então, Jacó mandou vir Raquel e Lia ao campo, para junto do seu rebanho,

[5] e lhes disse: Vejo que o rosto de vosso pai não me é favorável como anteriormente; porém o Deus de meu pai tem estado comigo.

[6] Vós mesmas sabeis que com todo empenho tenho servido a vosso pai;

[7] mas vosso pai me tem enganado e por dez vezes me mudou o salário; porém Deus não lhe permitiu que me fizesse mal nenhum.

[8] Se ele dizia: Os salpicados serão o teu salário, então, todos os rebanhos davam salpicados; e se dizia: Os listados serão o teu salário, então, os rebanhos todos davam listados.

[9] Assim, Deus tomou o gado de vosso pai e mo deu a mim.

UGenesise 31

UJakobe uyabalekela uLabani

[1]Wayesezwa amazwi amadodana kaLabani, ethi: UJakobe uthathile konke okwakungokukababa; ngokwakungokukababa uzizuzele lonke lolu dumo.

[2]UJakobe wabona ubuso bukaLabani; bheka, babungasenjengayizolo nakuthangi kuye.

[3]UJehova wayesethi kuJakobe: Buyela ezweni lawoyihlo nasezihlotsheni zakho; ngiyakuba nawe.

[4]UJakobe wathuma wabiza oRaheli noLeya, beze endle emhlambini wakhe.

[5]Wathi kubo: Ngiyabubona ubuso bukayihlo ukuthi abusenjengayizolo nakuthangi kimi, kepha uNkulunkulu kababa unami.

[6]Niyazi nina ukuthi ngimkhonzile uyihlo ngamandla ami onke.

[7]Kepha uyihlo ungikhohlisile, waguqula umvuzo wami kayishumi; kodwa uNkulunkulu akamvumelanga ukwenza okubi kimi.

[8]Uma ebesho ukuthi: Ezimanakanaka ziyakuba ngumvuzo wakho, umhlambi wonke wazala ezimanakanaka; uma ebesho ukuthi: Ezinemishwe ziyakuba ngumvuzo wakho, umhlambi wonke wazala ezinemishwe.

[9]Kanjalo uNkulunkulu uthathile imfuyo kayihlo, wayinika mina.

[10] Pois, chegado o tempo em que o rebanho concebia, levantei os olhos e vi em sonhos que os machos que cobriam as ovelhas eram listados, salpicados e malhados.

[11] E o Anjo de Deus me disse em sonho: Jacó! Eu respondi: Eis-me aqui!

[12] Ele continuou: Levanta agora os olhos e vê que todos os machos que cobrem o rebanho são listados, salpicados e malhados, porque vejo tudo o que Labão te está fazendo.

[13] Eu sou o Deus de Betel, onde ungiste uma coluna, onde me fizeste um voto; levanta-te agora, sai desta terra e volta para a terra de tua parentela.

[14] Então, responderam Raquel e Lia e lhe disseram: Há ainda para nós parte ou herança na casa de nosso pai?

[15] Não nos considera ele como estrangeiras? Pois nos vendeu e consumiu tudo o que nos era devido.

[16] Porque toda a riqueza que Deus tirou de nosso pai é nossa e de nossos filhos; agora, pois, faze tudo o que Deus te disse.

[17] Então, se levantou Jacó e, fazendo montar seus filhos e suas mulheres em camelos,

[18] levou todo o seu gado e todos os seus bens que chegou a possuir; o gado de sua propriedade que acumulara em Padã-Arã, para ir a Isaque, seu pai, à terra de Canaã.

[10] Kwathi ngokumitha kwemihlambi ngaphakamisa amehlo ami, ngabona ephusheni; bheka, izimpongo ezikhwela umhlambi zazingezinemishwe, nezimanakanaka, nezinala.

[11]Ingelosi kaNkulunkulu yathi kimi ephusheni: Jakobe! Ngathi: Ngilapha.

[12]Yayisithi: Awuphakamise amehlo akho, ubone ukuthi zonke izimpongo ezikhwela umhlambi zingezinemishwe, nezimanakanaka, nezinala, ngokuba ngibone konke uLabani akwenza kuwe.

[13] NgingguNkulunkulu waseBethele, lapho wagcoba khona insika nalapho wenza isithembiso kimi; manje vuka, usuke kuleli zwe, ubuyele ezweni lokuzalwa kwakho.

[14]ORaheli noLeya baphendula, bathi kuye: Sisenesabelo nefa endlini kababa na?

[15]Asibalwanga njengabofakazi na? Ngokuba wathengisa ngathi, waqeda intengo yethu.

[16]Ngokuba yonke ingcebo uNkulunkulu amamuke yona ubaba ingeyethu neyabantwana bethu; manje konke uNkulunkulu akutshele khona, kwenze.

[17]UJakobe wayesesuka, wakhwelisa amadodana akhe nawomkakhe emakameleni.

[18]Wathatha yonke imfuyo yakhe ayizuzileyo, imfuyo yokufuya kwakhe ayizuze ePhadani Aramu ukuba aye ku-Isaka uyise ezweni laseKhanani.

[19] Tendo ido Labão fazer a tosquia das ovelhas, Raquel furtou os ídolos do lar que pertenciam a seu pai.

[20] E Jacó logrou a Labão, o arameu, não lhe dando a saber que fugia.

[21] E fugiu com tudo o que lhe pertencia; levantou-se, passou o Eufrates e tomou o rumo da montanha de Gileade.

[22] No terceiro dia, Labão foi avisado de que Jacó ia fugindo.

[23] Tomando, pois, consigo a seus irmãos, saiu-lhe no encalço, por sete dias de jornada, e o alcançou na montanha de Gileade.

Labão segue no encalço de Jacó

[24] De noite, porém, veio Deus a Labão, o arameu, em sonhos, e lhe disse: Guarda-te, não fales a Jacó nem bem nem mal.

[25] Alcançou, pois, Labão a Jacó. Este havia armado a sua tenda naquela montanha; também Labão armou a sua com seus irmãos, na montanha de Gileade.

[26] E disse Labão a Jacó: Que fizeste, que me lograste e levaste minhas filhas como cativas pela espada?

[27] Por que fugiste ocultamente, e me lograste, e nada me fizeste saber, para que eu te despedisse com alegria, e com cânticos, e com tamboril, e com harpa?

[19] ULabani esehambile ukuyogunda izimvu zakhe, uRaheli weba izithixo zikayise.

[20]UJakobe wamnyenyela uLabani umAramu engamtshelanga ukuthi uyabaleka.

[21]Wayesebaleka nakho konke anakho; wasuka, wawela umfula, waqonda ngasentabeni yakwaGileyadi.

[22]Ngosuku lwesithathu uLabani watshelwa ukuthi uJakobe ubalekile.

[23]Wayesethatha abafowabo, wamlandela ibanga lezinsuku eziyisikhombisa, wamfica entabeni yakwaGileyadi.

[24]UNkulunkulu weza kuLabani umAramu ephusheni ebusuku, wathi kuye: Qaphela ukuba ungakhulumi kuJakobe okuhle noma okubi.

[25]ULabani wayesemfica uJakobe. UJakobe wayemisile itende lakhe entabeni; uLabani nabafowabo bamisa entabeni yakwaGileyadi.

[26]ULabani wathi kuJakobe: Wenzeni, lokhu unginyenyele, wathatha amadodakazi njengabathunjwa benkemba, na?

[27]Ubalekeleni ngasese na? Wanginyenyelelani ungangitshelanga ukuba ngabe ngikuvalelise ngokwenama nangezihlabelelo, ngesigubhu nangehabhu, na?

[28] E por que não me permitiste beijar meus filhos e minhas filhas? Nisso procedeste insensatamente.

[29] Há poder em minhas mãos para vos fazer mal, mas o Deus de vosso pai me falou, ontem à noite, e disse: Guarda-te, não fales a Jacó nem bem nem mal.

[30] E agora que partiste de vez, porque tens saudade da casa de teu pai, por que me furtaste os meus deuses?

[31] Respondeu-lhe Jacó: Porque tive medo; pois calculei: não suceda que me tome à força as suas filhas.

[32] Não viva aquele com quem achares os teus deuses; verifica diante de nossos irmãos o que te pertence e que está comigo e leva-o contigo. Pois Jacó não sabia que Raquel os havia furtado.

[33] Labão, pois, entrou na tenda de Jacó, na de Lia e na das duas servas, porém não os achou. Tendo saído da tenda de Lia, entrou na de Raquel.

[34] Ora, Raquel havia tomado os ídolos do lar, e os pusera na sela de um camelo, e estava assentada sobre eles; apalpou Labão toda a tenda e não os achou.

[35] Então, disse ela a seu pai: Não te agastes, meu senhor, por não poder eu levantar-me na tua presença; pois me acho com as regras das mulheres. Ele procurou, contudo não achou os ídolos do lar.

[28]Awungivumelanga ukuba ngange amadodana ami namadodakazi ami. Untumazele ngalokho.

[29]Kusemandleni esandla sami ukwenza okubi kuwe, kepha uNkulunkulu kayihlo ukhulumile kimi ebusuku obudlule, wathi: Qaphela ukuba ungakhulumi kuJakobe okubi noma okuhle.

[30]Manje njengokuba usumuka impela, lokhu ulangazelela nokulangazelela indlu kayihlo, webeleni izithixo zami na?

[31]UJakobe waphendula, wathi kuLabani: Ngokuba ngesaba ngithi: Funa ungiqhwage amadodakazi akho.

[32]Kepha lowo ozakuthola kuye izithixo zakho akayikusinda; qaza phambi kwabafowethu okwakho okukimi, ukuthathe. Ngokuba uJakobe wayengazi ukuthi uRaheli wayezebile.

[33]ULabani wayesengena etendeni likaJakobe, nasetendeni likaLeya, nasetendeni lezincekukazi zombili; akazitholanga. Waphuma etendeni likaLeya, wangena etendeni likaRaheli.

[34]URaheli wayezithathe izithixo, wazifaka esihlalweni sekamela, wahlala phezu kwazo. ULabani waphumputha etendeni lonke, kepha akazitholanga.

[35]Wathi kuyise: Mayingathukutheli inkosi yami ukuthi anginakusukuma phambi kwakho, ngokuba indlela yabesifazane ikimi. Wanyalula, kepha akazitholanga izithixo.

[36] Então, se irou Jacó e altercou com Labão; e lhe disse: Qual é a minha transgressão? Qual o meu pecado, que tão furiosamente me tens perseguido?

[36]UJakobe wathukuthela, wamsola uLabani; uJakobe waphendula, wathi kuLabani: Yisiphi isiphambeko sami na? Yisiphi isono sami, lokhu ungizingele kangaka, na?

[37] Havendo apalpado todos os meus utensílios, que achaste de todos os utensílios de tua casa? Põe-nos aqui diante de meus irmãos e de teus irmãos, para que julguem entre mim e ti.

[37]Njengalokho usufunisisile kuyo yonke impahla yami, uthole ntoni yezinto zonke zendlu yakho na? Yibeke lapha phambi kwabafowethu nabafowenu ukuba banqume phakathi kwethu sobabili.

[38] Vinte anos eu estive contigo, as tuas ovelhas e as tuas cabras nunca perderam as crias, e não comi os carneiros de teu rebanho.

[38] Le minyaka engamashumi amabili bengihlezi kuwe; izimvukazi zakho nezimbuzikazi zakho aziphunzanga; izinqama zomhlambi wakho angizidlanga.

[39] Nem te apresentei o que era despedaçado pelas feras; sofri o dano; da minha mão o requerias, tanto o furtado de dia como de noite.

[39] Ezidweshulwe yizilo ngangingaziyisi kuwe; kwalahlekelwa mina; wazibiza esandleni sami, noma zebiwe emini noma zebiwe ebusuku.

[40] De maneira que eu andava, de dia consumido pelo calor, de noite, pela geada; e o meu sono me fugia dos olhos.

[40]Nganginjalo; emini ngaqedwa ngukushisa, ebusuku ngamakhaza; ubuthongo bami babalekela amehlo ami.

[41] Vinte anos permaneci em tua casa; catorze anos te servi por tuas duas filhas e seis anos por teu rebanho; dez vezes me mudaste o salário.

[41]Le minyaka engamashumi amabili bengisendlini yakho; ngakusebenzela iminyaka eyishumi nane ngamadodakazi akho omabili, neminyaka eyisithupha ngomhlambi wakho, ugugule umvuzo wami kayishumi.

[42] Se não fora o Deus de meu pai, o Deus de Abraão e o Temor de Isaque, por certo me despedirias agora de mãos vazias. Deus me atendeu ao sofrimento e ao trabalho das minhas mãos e te repreendeu ontem à noite.

[42]Uma ebengenami uNkulunkulu kababa, uNkulunkulu ka-Abrahama, ukwesaba kuka-Isaka, ngempela ubuyakungimukisa ze. UNkulunkulu ubone ukuhlupheka kwami nokukhathala kwezandla zami, wakusola ubusuku obudlule.

A aliança entre Labão e Jacó

[43] Então, respondeu Labão a Jacó: As filhas são minhas filhas, os filhos são

[43]ULabani waphendula, wathi kuJakobe: Amadodakazi angamadodakazi ami,

meus filhos, os rebanhos são meus rebanhos, e tudo o que vês é meu; que posso fazer hoje a estas minhas filhas ou aos filhos que elas deram à luz?

abantwana bangabantwana bami, imihlambi iyimihlambi yami; konke okubonayo kungokwami; lawa madodakazi ami ngingawenzela ntoni namuhla, nabantwana bawo abazalileyo, na?

44 Vem, pois; e façamos aliança, eu e tu, que sirva de testemunho entre mim e ti.

44Woza manje, senze isivumelwano mina nawe, sibe ngufakazi phakathi kwami nawe.

Ukubuyisana kukaJakobe noLabani

45 Então, Jacó tomou uma pedra e a erigiu por coluna.

45UJakobe wayesethatha itshe, walimisa laba yinsika.

46 E disse a seus irmãos: Ajuntai pedras. E tomaram pedras e fizeram um montão, ao lado do qual comeram.

46Wathi uJakobe kubafowabo: Buthani amatshe, bathatha amatshe, benza inqwaba; base bedla khona phezu kwenqwaba.

47 Chamou-lhe Labão Jegar-Saaduta; Jacó, porém, lhe chamou Galeede.

47ULabani wayiqamba ngokuthi iJegari Sahadutha, kepha uJakobe wayibiza ngokuthi iGaledi.

48 E disse Labão: Seja hoje este montão por testemunha entre mim e ti; por isso, se lhe chamou Galeede

48Wathi uLabani: Le nqwaba ingufakazi phakathi kwami nawe namuhla. Ngalokho igama layo laqanjwa ngokuthi iGaledi,

49 e Mispa, pois disse: Vigie o SENHOR entre mim e ti e nos julgue quando estivermos separados um do outro.

49neMispa futhi, ngokuba wathi: UJehova makalinde phakathi kwami nawe, lapho sesingasabonani.

50 Se maltratares as minhas filhas e tomares outras mulheres além delas, não estando ninguém conosco, atenta que Deus é testemunha entre mim e ti.

50Uma uyakuhlupha amadodakazi ami, noma uthatha abafazi ngaphandle kwamadodakazi ami, akukho muntu onathi; bheka, uNkulunkulu ungufakazi phakathi kwami nawe.

51 Disse mais Labão a Jacó: Eis aqui este montão e esta coluna que levantei entre mim e ti.

51Wathi uLabani kuJakobe: Bheka, le nqwaba nensika engikumise phakathi kwami nawe,

52 Seja o montão testemunha, e seja a coluna testemunha de que para mal não

52le nqwaba ayibe ngufakazi, nensika ibe ngufakazi ukuthi angiyikudlula kule nqwaba, ngiye kuwe, nokuthi wena

passarei o montão para lá, e tu não passarás o montão e a coluna para cá.

awuyikudlula kule nqwaba nakule nsika, uze kimi, ngokubi.

53 O Deus de Abraão e o Deus de Naor, o Deus do pai deles, julgue entre nós. E jurou Jacó pelo Temor de Isaque, seu pai.

53UNkulunkulu ka-Abrahama noNkulunkulu kaNahori, uNkulunkulu wawoyise, makahlulele phakathi kwethu. UJakobe wafunga ukwesaba kukayise u-Isaka.

54 E ofereceu Jacó um sacrifício na montanha e convidou seus irmãos para comerem pão; comeram pão e passaram a noite na montanha.

54UJakobe wanikela ngomhlatshelo entabeni, wabiza abafowabo ukuba badle isinkwa; badla isinkwa, bahlala ubusuku bonke entabeni.

55 Tendo-se levantado Labão pela madrugada, beijou seus filhos e suas filhas e os abençoou; e, partindo, voltou para sua casa.

55ULabani wavuka ekuseni, wawanga amadodana akhe namadodakazi akhe, wawabusisa; wayesehamba uLabani, wabuyela endaweni yakhe.

Gênesis 32

UGenesise 32

UJakobe uyazilungiselela ukuhlangana no-Esawu

1 Também Jacó seguiu o seu caminho, e anjos de Deus lhe saíram a encontrá-lo.

1UJakobe wahamba indlela yakhe; izingelosi zikaNkulunkulu zamhlangabeza.

2 Quando os viu, disse: Este é o acampamento de Deus. E chamou àquele lugar Maanaim.

2 UJakobe ezibona wathi: Lokhu kuyibandla likaNkulunkulu. Waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iMahanayimi.

Jacó reconcilia-se com Esaú

3 Então, Jacó enviou mensageiros adiante de si a Esaú, seu irmão, à terra de Seir, território de Edom,

3UJakobe wathuma izithunywa phambi kwakhe ku-Esawu umfowabo ezweni laseSeyiri, izwe lakwa-Edomi.

4 e lhes ordenou: Assim falareis a meu senhor Esaú: Teu servo Jacó manda dizer isto: Como peregrino morei com Labão, em cuja companhia fiquei até agora.

4Waziyala ngokuthi: Niyakukhuluma kanje enkosini yami u-Esawu, nithi: Inceku yakho uJakobe ithi: Ngigogobele kuLabani, ngilibele kuze kube manje;

5 Tenho bois, jumentos, rebanhos, servos e servas; mando comunicá-lo a meu senhor, para lograr mercê à sua presença.

5nginezinkabi, nezimbongolo, nezimvu, nezinceku, nezincekukazi; sengithumele ukubika enkosini yami ukuba ngithole umusa emehlweni akho.

[6] Voltaram os mensageiros a Jacó, dizendo: Fomos a teu irmão Esaú; também ele vem de caminho para se encontrar contigo, e quatrocentos homens com ele.

[7] Então, Jacó teve medo e se perturbou; dividiu em dois bandos o povo que com ele estava, e os rebanhos, e os bois, e os camelos.

[8] Pois disse: Se vier Esaú a um bando e o ferir, o outro bando escapará.

[9] E orou Jacó: Deus de meu pai Abraão e Deus de meu pai Isaque, ó SENHOR, que me disseste: Torna à tua terra e à tua parentela, e te farei bem;

[10] sou indigno de todas as misericórdias e de toda a fidelidade que tens usado para com teu servo; pois com apenas o meu cajado atravessei este Jordão; já agora sou dois bandos.

[11] Livra-me das mãos de meu irmão Esaú, porque eu o temo, para que não venha ele matar-me e as mães com os filhos.

[12] E disseste: Certamente eu te farei bem e dar-te-ei a descendência como a areia do mar, que, pela multidão, não se pode contar.

[13] E, tendo passado ali aquela noite, separou do que tinha um presente para seu irmão Esaú:

[6]Izithunywa zabuyela kuJakobe, zathi: Safika kumfowenu u-Esawu, naye uyeza ukukuhlangabeza enamadoda angamakhulu amane.

[7]UJakobe wayeseshaywa luvalo kakhulu, ekhathazeka; wahlukanisa abantu ababenaye, nezimvu, nezinkomo, namakamela, kwaba ngamaqembu amabili,

[8]wathi: Uma u-Esawu efika kwelinye iqembu, alichithe, iqembu eliseleyo liyakubaleka.

[9] Wathi uJakobe: Nkulunkulu kababa u-Abrahama, Nkulunkulu kababa u-Isaka, Jehova, wena owathi kimi: Buyela ezweni lakho nasezihlotsheni zakho, ngikwenzele okuhle,

[10]angifanele neze wonke umusa nalo lonke iqiniso okwenzele inceku yakho, ngokuba ngawela leli Jordani ngodondolo lwami kuphela, manje sengingamaqembu amabili.

[11]Ake ungophule esandleni somfowethu, esandleni sika-Esawu, ngokuba mina ngiyamesaba, funa eze angichithe kanye nawonina nabantwana.

[12] Wathi wena: Impela ngiyakukwenzela okuhle, ngenze inzalo yakho ibe ngangesihlabathi solwandle esingebalwe ngobuningi.

[13]Walala khona lobo busuku; kulokho okwakusesandleni sakhe wathathela u-Esawu umfowabo isipho:

[14] duzentas cabras e vinte bodes; duzentas ovelhas e vinte carneiros;

[14]izimbuzikazi ezingamakhulu amabili, nezimpongo ezingamashumi amabili, nezimvukazi ezingamakhulu amabili, nezinqama ezingamashumi amabili,

[15] trinta camelas de leite com suas crias, quarenta vacas e dez touros; vinte jumentas e dez jumentinhos.

[15]namakamela asengwayo angamashumi amathathu namathole awo, nezinkomazi ezingamashumi amane, nezinkunzi eziyishumi, nezimbongolokazi ezingamashumi amabili, namathole ayishumi.

[16] Entregou-os às mãos dos seus servos, cada rebanho à parte, e disse aos servos: Passai adiante de mim e deixai espaço entre rebanho e rebanho.

[16]Wazinikela esandleni sezinceku amaqambi ngamaqambi, wathi ezincekwini zakhe: Dlulani ngaphambi kwami, nenze ibanga phakathi kweqambi neqambi.

[17] Ordenou ao primeiro, dizendo: Quando Esaú, meu irmão, te encontrar e te perguntar: De quem és, para onde vais, de quem são estes diante de ti?

[17]Wamyala ophambili, wathi: Nxa u-Esawu umfowethu ehlangana nawe, ekubuza ethi: Ungokabani wena? Uyangaphi na? Ngezikabani lezi eziphambi kwakho na?

[18] Responderás: São de teu servo Jacó; é presente que ele envia a meu senhor Esaú; e eis que ele mesmo vem vindo atrás de nós.

[18]wothi: Ngezenceku yakho uJakobe; kuyisipho esithunywa enkosini yami u-Esawu; bheka, naye uyeza, ungasemuva kwethu.

[19] Ordenou também ao segundo, ao terceiro e a todos os que vinham conduzindo os rebanhos: Falareis desta maneira a Esaú, quando vos encontrardes com ele.

[19]Wayala nowesibili, nowesithathu, nabo bonke ababelandela amaqembu, wathi: Niyakusho njalo ku-Esawu, lapho nimfumana.

[20] Direis assim: Eis que o teu servo Jacó vem vindo atrás de nós. Porque dizia consigo mesmo: Eu o aplacarei com o presente que me antecede, depois o verei; porventura me aceitará a presença.

[20]Niyakukhuluma nithi: Futhi bheka, inceku yakho uJakobe iyeza, isemva kwethu. Ngokuba wathi: Ngizakumthoba ngalesi sipho esihamba phambi kwami, andukuba ngibone ubuso bakhe; mhlawumbe angangamukela.

21 Assim, passou o presente para diante dele; ele, porém, ficou aquela noite no acampamento.

Jacó luta com Deus e transpõe o vau de Jaboque

22 Levantou-se naquela mesma noite, tomou suas duas mulheres, suas duas servas e seus onze filhos e transpôs o vau de Jaboque.

23 Tomou-os e fê-los passar o ribeiro; fez passar tudo o que lhe pertencia,

24 ficando ele só; e lutava com ele um homem, até ao romper do dia.

25 Vendo este que não podia com ele, tocou-lhe na articulação da coxa; deslocou-se a junta da coxa de Jacó, na luta com o homem.

26 Disse este: Deixa-me ir, pois já rompeu o dia. Respondeu Jacó: Não te deixarei ir se me não abençoares.

27 Perguntou-lhe, pois: Como te chamas? Ele respondeu: Jacó.

28 Então, disse: Já não te chamarás Jacó, e sim Israel, pois como príncipe lutaste com Deus e com os homens e prevaleceste.

29 Tornou Jacó: Dize, rogo-te, como te chamas? Respondeu ele: Por que perguntas pelo meu nome? E o abençoou ali.

30 Àquele lugar chamou Jacó Peniel, pois disse: Vi a Deus face a face, e a minha vida foi salva.

31 Nasceu-lhe o sol, quando ele atravessava Peniel; e manquejava de uma coxa.

21Sase sihamba isipho phambi kwakhe, kepha yena wahlala ekamu lobo busuku.

UJakobe ubambana noNkulunkulu

22Wavuka ebusuku, wathatha omkakhe ababili, nezincekukazi zakhe ezimbili, nabantwana bakhe abayishumi nanye, wawela ezibukweni elithiwa iJaboki.

23Wabathatha, wabawelisa emfuleni, wakuwelisa nalokho anakho.

24 Wasala yedwa uJakobe; kwabambana naye umuntu, kwaze kwasa.

25Esebona ukuthi akamahluli, wathinta esikhoxeni senyonga yakhe, waphinyazeka uJakobe esikhoxeni senyonga esebambene naye.

26Wayesethi: Angihambe, ngokuba sekuyasa. Kepha wathi: Anginakukuyeka ukuba uhambe ungangibusisanga.

27Wathi kuye: Ungubani igama lakho na? Wathi: NginguJakobe.

28 Wathi: Igama lakho alisayikuthiwa uJakobe, kepha u-Israyeli, ngokuba ulwile noNkulunkulu nabantu, wanqoba.

29 UJakobe wayesembuza ethi: Ake ungitshele igama lakho. Wathi: Ubuzelani igama lami na? Wayesembusisa khona.

30 UJakobe waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iPheniyeli, ngokuba wathi: Sibonene noNkulunkulu ubuso nobuso, nokho umphefumulo wami wophulwa.

31Ilanga lamphumela esadlula iPheniyeli, waqhuga enyongeni yakhe.

32 Por isso, os filhos de Israel não comem, até hoje, o nervo do quadril, na articulação da coxa, porque o homem tocou a articulação da coxa de Jacó no nervo do quadril.

32Ngalokho abantwana bakwa-Israyeli abawudli umsipha wenqulu osesikhoxeni senyonga kuze kube namuhla, ngokuba wathinta isikhoxo senyonga kaJakobe emsipheni wenqulu.

Gênesis 33

O encontro de Esaú e Jacó

1 Levantando Jacó os olhos, viu que Esaú se aproximava, e com ele quatrocentos homens. Então, passou os filhos a Lia, a Raquel e às duas servas.

2 Pôs as servas e seus filhos à frente, Lia e seus filhos atrás deles e Raquel e José por últimos.

3 E ele mesmo, adiantando-se, prostrou-se à terra sete vezes, até aproximar-se de seu irmão.

4 Então, Esaú correu-lhe ao encontro e o abraçou; arrojou-se-lhe ao pescoço e o beijou; e choraram.

5 Daí, levantando os olhos, viu as mulheres e os meninos e disse: Quem são estes contigo? Respondeu-lhe Jacó: Os filhos com que Deus agraciou a teu servo.

6 Então, se aproximaram as servas, elas e seus filhos, e se prostraram.

7 Chegaram também Lia e seus filhos e se prostraram; por último chegaram José e Raquel e se prostraram.

8 Perguntou Esaú: Qual é o teu propósito com todos esses bandos que encontrei?

UGenesise 33

UJakobe uhlangana no-Esawu

1UJakobe waphakamisa amehlo akhe, wabheka, nango u-Esawu eza enamadoda angamakhulu amane. Abantwana wabahlukanisela oLeya, noRaheli, nezincekukazi zombili.

2Wabeka izincekukazi nabantwana bazo ngaphambili, uLeya nabantwana bakhe ngasemuva, oRaheli noJosefa ngasekugcineni.

3Yena uqobo wadlulela phambi kwabo, wakhothamela emhlabathini kasikhombisa, waze wafika kumfowabo.

4U-Esawu wagijima ukumhlangabeza, wamgona, wawa ngasentanyeni yakhe, wamanga; bakhala.

5 Waphakamisa amehlo akhe, wabona abesifazane nabantwana, wathi: Bangobani laba onabo na? Wathi: Bangabantwana uNkulunkulu ayiphe bona inceku yakho ngomusa.

6Zase zisondela izincekukazi, zona nabantwana bazo, bakhothama.

7Wasondela noLeya nabantwana bakhe, bakhothama; ngasemuva wafika uJosefa enoRaheli, bakhothama.

8Wayesethi: Uqondeni ngawo wonke lombonda engihlangana nawo na? Wathi:

Respondeu Jacó: Para lograr mercê na presença de meu senhor.
9 Então, disse Esaú: Eu tenho muitos bens, meu irmão; guarda o que tens.

10 Mas Jacó insistiu: Não recuses; se logrei mercê diante de ti, peço-te que aceites o meu presente, porquanto vi o teu rosto como se tivesse contemplado o semblante de Deus; e te agradaste de mim.

11 Peço-te, pois, recebe o meu presente, que eu te trouxe; porque Deus tem sido generoso para comigo, e tenho fartura. E instou com ele, até que o aceitou.
12 Disse Esaú: Partamos e caminhemos; eu seguirei junto de ti.
13 Porém Jacó lhe disse: Meu senhor sabe que estes meninos são tenros, e tenho comigo ovelhas e vacas de leite; se forçadas a caminhar demais um só dia, morrerão todos os rebanhos.
14 Passe meu senhor adiante de seu servo; eu seguirei guiando-as pouco a pouco, no passo do gado que me vai à frente e no passo dos meninos, até chegar a meu senhor, em Seir.
15 Respondeu Esaú: Então, permite que eu deixe contigo da gente que está comigo. Disse Jacó: Para quê? Basta que eu alcance mercê aos olhos de meu senhor.
16 Assim, voltou Esaú aquele dia a Seir, pelo caminho por onde viera.
17 E Jacó partiu para Sucote, e edificou para si uma casa, e fez palhoças para o

Ukuba ngifumane umusa emehlweni enkosi yami.
9Kepha u-Esawu wathi: Nginokuningi, mfowethu; okwakho makube ngokwakho.
10UJakobe wathi: Hhayi bo; uma ngifumene umusa emehlweni akho, samukele isipho sami esandleni sami, ngokuba ngibone ubuso bakho esengathi ngibona ubuso bukaNkulunkulu, wathokoza ngami.
11Mawusamukele isibusiso sami esilethwa kuwe, ngokuba uNkulunkulu ungenzele umusa nangokuba nginakho konke. Wamcindezela; wasamukela-ke.
12Wayesethi: Asisuke sihambe, ngihambe phambi kwakho.
13Wathi kuye: Inkosi yami iyazi ukuthi abantwana bancane nokuthi izimvu nezinkomazi ezinami ziyizindlezane; uma bezishishinga usuku olulodwa, umhlambi wonke uyakufa.
14Ake idlule inkosi phambi kwenceku yayo, mina ngiseseze njengokuhamba kwempahla ephambi kwami nanjengokuhamba kwabantwana, ngize ngifike enkosini yami eSeyiri.

15U-Esawu wathi: Ake ngishiye kuwe abanye abantu bami. Wathi: Ngani na? Mangifumane umusa emehlweni enkosi.
16U-Esawu wayesebuyela endleleni yakhe ngalolo suku, waya eSeyiri.
17UJakobe wasuka waya eSukoti, wazakhela indlu, wenzela izinkomo zakhe

seu gado; por isso, o lugar se chamou Sucote.

amathanga; ngalokho igama laleyo ndawo lathiwa iSukoti.

Jacó chega a Siquém

[18] Voltando de Padã-Arã, chegou Jacó são e salvo à cidade de Siquém, que está na terra de Canaã; e armou a sua tenda junto da cidade.

[18]UJakobe wafika kahle emzini waseShekemi osezweni laseKhanani, evela ePhadani Aramu; wamisa itende lakhe phambi komuzi.

[19] A parte do campo, onde armara a sua tenda, ele a comprou dos filhos de Hamor, pai de Siquém, por cem peças de dinheiro.

[19]Wathenga isiqephu sezwe, lapho ebemise khona itende lakhe, esandleni samadodana kaHamori uyise kaShekemi ngamakesita ayikhulu.

[20] E levantou ali um altar e lhe chamou Deus, o Deus de Israel.

[20]Wakha khona i-altare, walibiza ngokuthi i-Eli Elohe Israyeli.

Gênesis 34

Diná e os siquemitas

[1] Ora, Diná, filha que Lia dera à luz a Jacó, saiu para ver as filhas da terra.

[2] Viu-a Siquém, filho do heveu Hamor, que era príncipe daquela terra, e, tomando-a, a possuiu e assim a humilhou.

[3] Sua alma se apegou a Diná, filha de Jacó, e amou a jovem, e falou-lhe ao coração.

[4] Então, disse Siquém a Hamor, seu pai: Consegue-me esta jovem para esposa.

[5] Quando soube Jacó que Diná, sua filha, fora violada por Siquém, estavam os seus filhos no campo com o gado; calou-se, pois, até que voltassem.

[6] E saiu Hamor, pai de Siquém, para falar com Jacó.

UGenesise 34

UDina woniwa nguShekemi

[1]UDina, indodakazi kaLeya amzalela yona uJakobe, waphuma ukuyobona amadodakazi alelo zwe.

[2]UShekemi indodana kaHamori umHivi, inkosi yezwe, wambona, wamthatha, walala naye, wamona.

[3]Inhliziyo yakhe yabambelela kuDina indodakazi kaJakobe, wayithanda intombi, wakhuluma kuyo inhliziyo yentombi.

[4]UShekemi wakhuluma kuyise uHamori, wathi: Ngithathele le ntombazana, ibe ngumkami.

[5]UJakobe wezwa ukuthi ungcolisile indodakazi yakhe uDina; amadodana akhe ayesezinkomeni endle; uJakobe wathula, aze afika.

[6]UHamori uyise kaShekemi waphumela kuJakobe ukuyokhuluma naye.

[7] Vindo os filhos de Jacó do campo e ouvindo o que acontecera, indignaram-se e muito se iraram, pois Siquém praticara um desatino em Israel, violentando a filha de Jacó, o que se não devia fazer.

[7] Amadodana kaJakobe abuya endle esezwile lokho; abantu badabuka, bathukuthela kakhulu, ngokuba ubenze ubuwula kwa-Israyeli ngokulala nendodakazi kaJakobe, okungenakwenziwa.

[8] Disse-lhes Hamor: A alma de meu filho Siquém está enamorada fortemente de vossa filha; peço-vos que lha deis por esposa.

[8]UHamori wakhuluma nabo, wathi: Inhliziyo yendodana yami uShekemi iyabambelela endodakazini yenu; ake nimuphe yona, ibe ngumkakhe.

[9] Aparentai-vos conosco, dai-nos as vossas filhas e tomai as nossas;

[9]Ganiselanani nathi, nisiphe amadodakazi enu, nizithathele amadodakazi ethu.

[10] habitareis conosco, a terra estará ao vosso dispor; habitai e negociai nela e nela tende possessões.

[10]Niyakuhlala kithi; izwe liyakuba sebusweni benu; yakhani, nithengiselane, nifuye kulo.

[11] E o próprio Siquém disse ao pai e aos irmãos de Diná: Ache eu mercê diante de vós e vos darei o que determinardes.

[11]UShekemi wayesethi kuyise nakubanewabo: Ake ngifumane umusa emehlweni enu; lokho eniyakukusho kimi, ngiyakuninika khona.

[12] Majorai de muito o dote de casamento e as dádivas, e darei o que me pedirdes; dai-me, porém, a jovem por esposa.

[12]Bizani kimi ilobolo noma lingakanani kanye nesipho, ngiyakuninika njengokusho kwenu kimi; kodwa ngipheni intombi ibe ngumkami.

[13] Então, os filhos de Jacó, por causa de lhes haver Siquém violado a irmã, Diná, responderam com dolo a Siquém e a seu pai Hamor e lhes disseram:

[13]Amadodana kaJakobe abaphendula oShekemi noHamori uyise ngobuqili, akhuluma, njengokuba ebemngcolisile uDina udadewabo,

[14] Não podemos fazer isso, dar nossa irmã a um homem incircunciso; porque isso nos seria ignomínia.

[14]athi kubo: Asinakwenza lokhu, ukunika udadewethu kumuntu ongasokwanga, ngokuba lokho kuyihlazo kithina.

[15] Sob uma única condição permitiremos: que vos torneis como nós, circuncidando-se todo macho entre vós;

[15]Kepha ngalokho singanivumela: uma nizakuba njengathi, kusokwe bonke abesilisa bakini,

[16] então, vos daremos nossas filhas, tomaremos para nós as vossas, habitaremos convosco e seremos um só povo.
[17] Se, porém, não nos ouvirdes e não vos circuncidardes, tomaremos a nossa filha e nos retiraremos embora.
[18] Tais palavras agradaram a Hamor e a Siquém, seu filho.
[19] Não tardou o jovem em fazer isso, porque amava a filha de Jacó e era o mais honrado de toda a casa de seu pai.
[20] Vieram, pois, Hamor e Siquém, seu filho, à porta da sua cidade e falaram aos homens da cidade:
[21] Estes homens são pacíficos para conosco; portanto, habitem na terra e negociem nela. A terra é bastante espaçosa para contê-los; recebamos por mulheres a suas filhas e demos-lhes também as nossas.
[22] Somente, porém, consentirão os homens em habitar conosco, tornando-nos um só povo, se todo macho entre nós se circuncidar, como eles são circuncidados.
[23] O seu gado, as suas possessões e todos os seus animais não serão nossos? Consintamos, pois, com eles, e habitarão conosco.
[24] E deram ouvidos a Hamor e a Siquém, seu filho, todos os que saíam da porta da cidade; e todo homem foi circuncidado, dos que saíam pela porta da sua cidade.

A traição de Simeão e Levi

[16]siyakuninika amadodakazi ethu, sizithathele amadodakazi enu, sihlale nani, sibe yisizwe sinye.

[17]Kepha uma ningasilaleli, nisokwe, siyakuthatha indodakazi yethu, sihambe.

[18]Amazwi abo aba mahle koHamori noShekemi indodana kaHamori.
[19]Le nsizwa ayilibalanga ukwenza lokho, ngokuba yayethabela indodakazi kaJakobe; yayinodumo kunabo bonke abendlu kayise.
[20]OHamori noShekemi indodana yakhe beza ngasesangweni lomuzi, bakhuluma namadoda omuzi wabo, bathi:
[21] Labo bantu bahlezi ngokuthula nathi; ngalokho mabahlale ezweni, balihambe, ngokuba bheka, izwe libanzi inxa zombili phambi kwabo; asizithathele amadodakazi abo abe ngomkethu, sibaphe amadodakazi ethu.

[22]Kuphela ngalokho bayasivumela laba bantu ukuhlala nathi, sibe yisizwe sinye, ukuthi bonke abesilisa bakithi basokwe, njengalokho bona besokiwe.

[23]Imihlambi yabo, nempahla yabo, nezinkomo zabo akuyikuba ngokwethu na? Masibavumele kuphela, bakhe kithi.

[24]Bonke abaphuma ngesango lomuzi wakhe balalela oHamori noShekemi indodana yakhe; bonke abesilisa basokwa, bonke abaphuma ngesango lomuzi wakhe.

Ukuphindisela kwabanewabo bakaDina

[25] Ao terceiro dia, quando os homens sentiam mais forte a dor, dois filhos de Jacó, Simeão e Levi, irmãos de Diná, tomaram cada um a sua espada, entraram inesperadamente na cidade e mataram os homens todos.
[26] Passaram também ao fio da espada a Hamor e a seu filho Siquém; tomaram a Diná da casa de Siquém e saíram.
[27] Sobrevieram os filhos de Jacó aos mortos e saquearam a cidade, porque sua irmã fora violada.
[28] Levaram deles os rebanhos, os bois, os jumentos e o que havia na cidade e no campo;
[29] todos os seus bens, e todos os seus meninos, e as suas mulheres levaram cativos e pilharam tudo o que havia nas casas.
[30] Então, disse Jacó a Simeão e a Levi: Vós me afligistes e me fizestes odioso entre os moradores desta terra, entre os cananeus e os ferezeus; sendo nós pouca gente, reunir-se-ão contra mim, e serei destruído, eu e minha casa.
[31] Responderam: Abusaria ele de nossa irmã, como se fosse prostituta?

Gênesis 35

Jacó erige um altar em Betel

[1] Disse Deus a Jacó: Levanta-te, sobe a Betel e habita ali; faze ali um altar ao Deus que te apareceu quando fugias da presença de Esaú, teu irmão.

[25] Kwathi ngosuku lwesithathu bese nobuhlungu, amadodana amabili kaJakobe, oSimeyoni noLevi, abanewabo bakaDina, bathatha, kwaba yilowo nalowo inkemba yakhe, bahlasela umuzi ngesibindi, babulala bonke abesilisa.
[26]Babulala oHamori noShekemi indodana yakhe ngosiko lwenkemba, bakhipha uDina endlini kaShekemi, bahamba.
[27]Amadodana kaJakobe ayesefica ababuleweyo, aphanga umuzi, ngokuba babengcolisile udadewabo.
[28]Athatha izimvu zabo, nezinkomo zabo, nezimbongolo zabo, okwakusemzini nokwakusendle,
[29]nemfuyo yonke yabo; athumba abantwana babo nawomkabo, abaphanga kanye nakho konke okusendlini.
[30]UJakobe wayesethi koSimeyoni noLevi: Ningihluphile, ningenzile ukuba nginukele kabi abantu bezwe, amaKhanani namaPherizi, lokhu ngiyingcosana, bayakungihlanganyela, bangibulale, ngichithwe mina nendlu yami.
[31]Base bethi: Ngabe bemenza udadewethu isifebe na?

UGenesise 35

UJakobe eseBethele

[1] UNkulunkulu wathi kuJakobe: Suka ukhuphukele eBethele, uhlale khona, umenzele lapho uNkulunkulu i-altare, yena owabonakala kuwe mhla ubalekela u-Esawu umfowenu.

[2] Então, disse Jacó à sua família e a todos os que com ele estavam: Lançai fora os deuses estranhos que há no vosso meio, purificai-vos e mudai as vossas vestes;

[3] levantemo-nos e subamos a Betel. Farei ali um altar ao Deus que me respondeu no dia da minha angústia e me acompanhou no caminho por onde andei.

[4] Então, deram a Jacó todos os deuses estrangeiros que tinham em mãos e as argolas que lhes pendiam das orelhas; e Jacó os escondeu debaixo do carvalho que está junto a Siquém.

[5] E, tendo eles partido, o terror de Deus invadiu as cidades que lhes eram circunvizinhas, e não perseguiram aos filhos de Jacó.

[6] Assim, chegou Jacó a Luz, chamada Betel, que está na terra de Canaã, ele e todo o povo que com ele estava.

[7] E edificou ali um altar e ao lugar chamou El-Betel; porque ali Deus se lhe revelou quando fugia da presença de seu irmão.

[8] Morreu Débora, a ama de Rebeca, e foi sepultada ao pé de Betel, debaixo do carvalho que se chama Alom-Bacute.

[9] Vindo Jacó de Padã-Arã, outra vez lhe apareceu Deus e o abençoou.

[2] Wayesethi uJakobe kwabendlu yakhe nakubo bonke ababe naye: Lahlani izithixo zabezizwe eziphakathi kwenu, nizihlambulule nina, niziphendulele izingubo zenu,

[3]sisuke, sikhuphukele eBethele; ngiyakumenzela khona uNkulunkulu i-altare, yena owangiphendula ngosuku lokuhlupheka kwami, waba nami endleleni engangiyihamba.

[4]Bamnika-ke uJakobe izithixo zonke zabezizwe ezazisezandleni zabo, namacici ayesezindlebeni zabo; uJakobe wakuthukusa phansi kwe-oki elalingaseShekemi.

[5]Base bemuka; ukumesaba uNkulunkulu kwakuphezu kwemizi eyayikhona nxazonke; abawaxoshanga amadodana kaJakobe.

[6]UJakobe wafika eLuze elisezweni laseKhanani eliyiBethele, yena kanye nabantu bonke ababe naye.

[7] Wakha khona i-altare, wayibiza indawo ngokuthi i-Eli Bethele, ngokuba uNkulunkulu wabonakala kuye khona mhla ebaleka ebusweni bomfowabo.

[8] UDebora umzanyana kaRebeka wafa, wembelwa ngenzansi neBethele phansi kwe-oki; igama lalo labizwa ngokuthi i-Alonibakuti.

Ukuzalwa kukaBenjamini nokufa kukaRaheli

[9]UNkulunkulu wabuye wabonakala kuJakobe, lapho evela ePhadani Aramu, wambusisa.

[10] Disse-lhe Deus: O teu nome é Jacó. Já não te chamarás Jacó, porém Israel será o teu nome. E lhe chamou Israel.

[11] Disse-lhe mais: Eu sou o Deus Todo-Poderoso; sê fecundo e multiplica-te; uma nação e multidão de nações sairão de ti, e reis procederão de ti.

[12] A terra que dei a Abraão e a Isaque dar-te-ei a ti e, depois de ti, à tua descendência.

[13] E Deus se retirou dele, elevando-se do lugar onde lhe falara.

[14] Então, Jacó erigiu uma coluna de pedra no lugar onde Deus falara com ele; e derramou sobre ela uma libação e lhe deitou óleo.

[15] Ao lugar onde Deus lhe falara, Jacó lhe chamou Betel.

O nascimento de Benjamim e a morte de Raquel

[16] Partiram de Betel, e, havendo ainda pequena distância para chegar a Efrata, deu à luz Raquel um filho, cujo nascimento lhe foi a ela penoso.

[17] Em meio às dores do parto, disse-lhe a parteira: Não temas, pois ainda terás este filho.

[18] Ao sair-lhe a alma (porque morreu), deu-lhe o nome de Benoni; mas seu pai lhe chamou Benjamim.

[10] UNkulunkulu wathi kuye: Igama lakho linguJakobe, igama lakho alisayikuthiwa uJakobe; igama lakho lizakuba ngu-Israyeli, wayeseqamba igama lakhe ngokuthi u-Israyeli.

[11] UNkulunkulu wathi kuye: NginguNkulunkulu uSomandla; mawuzale, wande; isizwe, yebo, ibandla lezizwe liyakuvela kuwe; amakhosi ayakuphuma okhalweni lwakho;

[12] izwe engabapha lona o-Abrahama no-Isaka, ngiyakulinika wena; nenzalo yakho emva kwakho ngiyakuyinika lona.

[13]UNkulunkulu wenyuka esuka kuye endaweni lapho ebekhulume naye khona.

[14]UJakobe wayesemisa insika endaweni lapho abekhulume naye khona, insika yetshe; wathela phezu kwayo umnikelo wokuphuzwa, wathela namafutha phezu kwayo.

[15]UJakobe wayiqamba indawo lapho uNkulunkulu akhuluma naye khona ngokuthi iBethele.

[16]Base besuka eBethele; kwakuse yibangana ukuya e-Efrati; uRaheli wayesebeletha, wabeletha enemihelo enzima.

[17]Kwathi esenemihelo enzima, umbelethisi wathi kuye: Ungesabi, ngokuba uzakuba nenye indodana futhi.

[18]Usuzakuphuma umphefumulo wakhe, ngokuba wafa, waqamba igama lakhe ngokuthi uBenoni; kepha uyise wamqamba ngokuthi uBenjamini.

[19] Assim, morreu Raquel e foi sepultada no caminho de Efrata, que é Belém.
[20] Sobre a sepultura de Raquel levantou Jacó uma coluna que existe até ao dia de hoje.
[21] Então, partiu Israel e armou a sua tenda além da torre de Éder.
[22] E aconteceu que, habitando Israel naquela terra, foi Rúben e se deitou com Bila, concubina de seu pai; e Israel o soube. Eram doze os filhos de Israel.

Descendentes de Jacó

1 Crônicas 2.1,2

[23] Rúben, o primogênito de Jacó, Simeão, Levi, Judá, Issacar e Zebulom, filhos de Lia;

[24] José e Benjamim, filhos de Raquel;

[25] Dã e Naftali, filhos de Bila, serva de Raquel;

[26] e Gade e Aser, filhos de Zilpa, serva de Lia. São estes os filhos de Jacó, que lhe nasceram em Padã-Arã.

[27] Veio Jacó a Isaque, seu pai, a Manre, a Quiriate-Arba (que é Hebrom), onde peregrinaram Abraão e Isaque.

[28] Foram os dias de Isaque cento e oitenta anos.

[29] Velho e farto de dias, expirou Isaque e morreu, sendo recolhido ao seu povo; e Esaú e Jacó, seus filhos, o sepultaram.

Gênesis 36

[19] Wafa uRaheli, wembelwa ngasendleleni eya e-Efrati eliyiBetlehema.
[20]UJakobe wamisa insika ethuneni lakhe, eyinsika yethuna likaRaheli kuze kube namuhla.
[21]U-Israyeli wasuka, wamisa itende lakhe ngaphambi kombhoshongo wase-Edere.

[22] Kwathi u-Israyeli esehlala kulelo zwe, uRubeni waya walala noBiliha isancinza sikayise; u-Israyeli wakuzwa lokho.

Amadodana kaJakobe nokufa kuka-Isaka

Amadodana kaJakobe ayeyishumi nambili.
[23]Amadodana kaLeya ayenguRubeni, izibulo likaJakobe, noSimeyoni, noLevi, noJuda, no-Isakare, noZebuloni.
[24]Amadodana kaRaheli ayengoJosefa noBenjamini.
[25]Amadodana kaBiliha incekukazi kaRaheli ayengoDani noNafetali.
[26]Amadodana kaZilipa incekukazi kaLeya ayengoGadi no-Asheri; lawo angamadodana kaJakobe awazalelwa ePhadani Aramu.
[27]UJakobe wafika ku-Isaka uyise eMamre ngaseKiriyati Araba, okuyiHebroni, lapho o-Abrahama no-Isaka kade bebegogobele khona.
[28]Izinsuku zika-Isaka zaziyiminyaka eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili.
[29] U-Isaka wagqibuka wafa, wabuthelwa kubantu bakhe, emdala esanelisiwe yizinsuku. O-Esawu noJakobe amadodana akhe bambbela.

UGenesise 36

Os descendentes de Esaú
1 Crônicas 1.35-37

1 São estes os descendentes de Esaú, que é Edom.

2 Esaú tomou por mulheres dentre as filhas de Canaã: Ada, filha de Elom, heteu; Oolibama, filha de Aná, filho de Zibeão, heveu;

3 e Basemate, filha de Ismael, irmã de Nebaiote.

4 A Ada de Esaú lhe nasceu Elifaz, a Basemate lhe nasceu Reuel;

5 e a Oolibama nasceu Jeús, Jalão e Corá; são estes os filhos de Esaú, que lhe nasceram na terra de Canaã.

6 Levou Esaú suas mulheres, e seus filhos, e suas filhas, e todas as pessoas de sua casa, e seu rebanho, e todo o seu gado, e toda propriedade, tudo que havia adquirido na terra de Canaã; e se foi para outra terra, apartando-se de Jacó, seu irmão.

7 Porque os bens deles eram muitos para habitarem juntos; e a terra de suas peregrinações não os podia sustentar por causa do seu gado.

8 Então, Esaú, que é Edom, habitou no monte Seir.

9 Esta é a descendência de Esaú, pai dos edomitas, no monte Seir.

10 São estes os nomes dos filhos de Esaú: Elifaz, filho de Ada, mulher de Esaú; Reuel, filho de Basemate, mulher de Esaú.

Umndeni ka-Esawu

1 Lezi ziyizizukulwane zika-Esawu ongu-Edomi.

2 U-Esawu wazithathela abafazi kuwo amadodakazi aseKhanani: u-Ada indodakazi ka-Eloni umHeti, no-Oholibama indodakazi ka-Ana, indodakazi kaSibeyoni umHivi,

3noBasemati indodakazi ka-Ishmayeli, udadewabo kaNebayoti.

4U-Ada wamzalela u-Esawu u-Elifazi; uBasemati wazala uRehuweli;

5u-Oholibama wazala oJewushe, noJalamu, noKora; lawo angamadodana ka-Esawu azalelwa wona ezweni laseKhanani.

6U-Esawu wathatha omkakhe, namadodana akhe, namadodakazi akhe, nabantu bonke bendlu yakhe, nemfuyo yakhe, nezinkomo zakhe, nempahla yonke yakhe owayeyizuze ezweni laseKhanani, waya ezweni elikude nomfowabo uJakobe.

7 Ngokuba imfuyo yabo yayiyinkulu kunokuba bahlale ndawonye, nezwe lokugogobala kwabo lalingenakubathwala ngenxa yemfuyo yabo.

8 U-Esawu wahlala entabeni yaseSeyiri; u-Esawu ungu-Edomi.

9Lezi ziyizizukulwane zika-Esawu uyise wabakwa-Edomi entabeni yaseSeyiri.

10Nanka amagama amadodana ka-Esawu: Ngu-Elifazi indodana ka-Ada umka-Esawu, noRehuweli indodana kaBasemati umka-Esawu.

[11] Os filhos de Elifaz são: Temã, Omar, Zefô, Gaetã e Quenaz.

[12] Timna era concubina de Elifaz, filho de Esaú, e teve de Elifaz a Amaleque; são estes os filhos de Ada, mulher de Esaú.

[13] E os filhos de Reuel são estes: Naate, Zerá, Samá e Mizá; estes foram os filhos de Basemate, mulher de Esaú.

[14] E são estes os filhos de Oolibama, filha de Aná, filho de Zibeão, mulher de Esaú; e deu a Esaú: Jeús, Jalão e Corá.

[15] São estes os príncipes dos filhos de Esaú; os filhos de Elifaz, o primogênito de Esaú: o príncipe Temã, o príncipe Omar, o príncipe Zefô, o príncipe Quenaz,

[16] o príncipe Corá, o príncipe Gaetã, o príncipe Amaleque; são estes os príncipes que nasceram a Elifaz na terra de Edom; são os filhos de Ada.

[17] São estes os filhos de Reuel, filho de Esaú: o príncipe Naate, o príncipe Zerá, o príncipe Samá, o príncipe Mizá; são estes os príncipes que nasceram a Reuel na terra de Edom; são os filhos de Basemate, mulher de Esaú.

[18] São estes os filhos de Oolibama, mulher de Esaú: o príncipe Jeús, o príncipe Jalão, o príncipe Corá; são estes os príncipes que

[11]Amadodana ka-Elifazi ayengoThemani, no-Omari, noSefo, noGathamu, noKenazi.

[12]UThimna wayeyisancinza sika-Elifazi indodana ka-Esawu; wamzalela u-Elifazi u-Amaleki; yilawo angamadodana ka-Ada umka-Esawu.

[13]Lawa angamadodana kaRehuweli: ngoNahati, noZera, noShama, noMiza; yilawo angamadodana kaBasemati umka-Esawu.

[14]Lawa angamadodana ka-Oholibama indodakazi ka-Ana, indodakazi kaSibeyoni, umka-Esawu: wamzalela u-Esawu oJewushe, noJalamu, noKora.

[15] Laba bangabanumzane bamadodana ka-Elifazi izibulo lika-Esawu: Ngumnumzane uThemani, nomnumzane u-Omari, nomnumzane uSefo, nomnumzane uKenazi,

[16]nomnumzane uKora, nomnumzane uGathamu, nomnumzane u-Amaleki; yilabo abangabanumzane abavela ku-Elifazi ezweni lakwa-Edomi; yilawo angamadodana ka-Ada.

[17]Lawa angamadodana kaRehuweli indodana ka-Esawu: ngumnumzane uNahati, nomnumzane uZera, nomnumzane uShama, nomnumzane uMiza; yilabo abangabanumzane abavela kuRehuweli ezweni lakwa-Edomi; yilawo angamadodana kaBasemati umka-Esawu.

[18]Lawa angamadodana ka-Oholibama umka-Esawu: ngumnumzane uJewushe, nomnumzane uJalamu, nomnumzane uKora; yilabo abangabanumzane abavela

procederam de Oolibama, filha de Aná, mulher de Esaú.

[19] São estes os filhos de Esaú, e esses seus príncipes; ele é Edom.

Descendentes de Seir

1 Crônicas 1.38-42

[20] São estes os filhos de Seir, o horeu, moradores da terra: Lotã, Sobal, Zibeão e Aná,

[21] Disom, Eser e Disã; são estes os príncipes dos horeus, filhos de Seir na terra de Edom.

[22] Os filhos de Lotã são Hori e Homã; a irmã de Lotã é Timna.

[23] São estes os filhos de Sobal: Alvã, Manaate, Ebal, Sefô e Onã.

[24] São estes os filhos de Zibeão: Aiá e Aná; este é o Aná que achou as fontes termais no deserto, quando apascentava os jumentos de Zibeão, seu pai.

[25] São estes os filhos de Aná: Disom e Oolibama, a filha de Aná.

[26] São estes os filhos de Disã: Hendã, Esbã, Itrã e Querã.

[27] São estes os filhos de Eser: Bilã, Zaavã e Acã.

[28] São estes os filhos de Disã: Uz e Arã.

[29] São estes os príncipes dos horeus: o príncipe Lotã, o príncipe Sobal, o príncipe Zibeão, o príncipe Aná,

ku-Oholibama indodakazi ka-Ana umka-Esawu.

[19]Yilawo angamadodana ka-Esawu; labo bangabanumzane bawo; yena ungu-Edomi.

Inzalo kaSeyiri

[20] Lawa angamadodana kaSeyiri umHori ayakhe kulelo zwe: ngoLothani, noShobali, noSibeyoni, no-Ana,

[21]noDishoni, no-Eseri, noDishani; labo bangabanumzane abavela kuwo amaHori, abantwana bakaSeyiri ezweni lakwa-Edomi.

[22]Amadodana kaLothani ayengoHori noHemamu; udadewabo kaLothani wayenguThimna.

[23]Lawa angamadodana kaShobali: ngo-Alevani, noManahati, no-Ebali, noShefo, no-Onamu.

[24]Lawa angamadodana kaSibeyoni: ngo-Aya, no-Ana; nguyena lowo Ana owafumana imithombo eshisayo ehlane, ezalusa izimbongolo zikaSibeyoni uyise.

[25]Laba bangabantwana baka-Ana: ngoDishoni no-Oholibama indodakazi ka-Ana.

[26]Lawa angamadodana kaDishoni: ngoHemdani, no-Eshibani, noJitrani, noKerani.

[27]Lawa angamadodana ka-Eseri: ngoBilihani, noZahawana, no-Akani.

[28]Lawa angamadodana kaDishani: ngo-Use no-Arana.

[29]Laba bangabanumzane abavela kuwo amaHori: ngumnumzane uLothani,

[30] o príncipe Disom, o príncipe Eser, o príncipe Disã; são estes os príncipes dos horeus, segundo os seus principados na terra de Seir.

nomnumzane uShobali, nomnumzane uSibeyoni, nomnumzane u-Ana,
[30]nomnumzane uDishoni, nomnumzane u-Eseri, nomnumzane uDishani; yilabo abangabanumzane abavela kuwo amaHori, abanumzane ngabanumzane ezweni laseSeyiri.

Reis e príncipes de Edom

1 Crônicas 1.43-54

[31] São estes os reis que reinaram na terra de Edom, antes que houvesse rei sobre os filhos de Israel.

[31] Lawa angamakhosi ayebusa ezweni lakwa-Edomi, kungakabusi nkosi kwabakwa-Israyeli.

[32] Em Edom reinou Belá, filho de Beor, e o nome da sua cidade era Dinabá.

[32]UBela indodana kaBeyori wabusa kwabakwa-Edomi; igama lomuzi wakhe laliyiDinihaba.

[33] Morreu Belá, e, em seu lugar, reinou Jobabe, filho de Zerá, de Bozra.

[33]Wafa uBela; uJobabi indodana kaZera waseBosira waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[34] Morreu Jobabe, e, em seu lugar, reinou Husão, da terra dos temanitas.

[34]Wafa uJobabi; uHushamu wasezweni labakwaThemani waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[35] Morreu Husão, e, em seu lugar, reinou Hadade, filho de Bedade, o que feriu a Midiã no campo de Moabe; o nome da sua cidade era Avite.

[35]Wafa uHushamu; uHadadi indodana kaBedadi owanqoba abakwaMidiyani ethafeni lakwaMowabi waba yinkosi esikhundleni sakhe; igama lomuzi wakhe laliyi-Aviti.

[36] Morreu Hadade, e, em seu lugar, reinou Samlá, de Masreca.

[36]Wafa uHadadi; uSamla waseMasireka waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[37] Morreu Samlá, e, em seu lugar, reinou Saul, de Reobote, junto ao Eufrates.

[37]Wafa uSamla; uShawule waseRehoboti ngasemfuleni waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[38] Morreu Saul, e, em seu lugar, reinou Baal-Hanã, filho de Acbor.

[38]Wafa uShawule; uBali Hanani indodana ka-Akibori waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[39] Morreu Baal-Hanã, filho de Acbor, e, em seu lugar, reinou Hadar; o nome de

[39]Wafa uBali Hanani indodana ka-Akibori; uHadari waba yinkosi esikhundleni sakhe;

sua cidade era Paú; e o de sua mulher era Meetabel, filha de Matrede, filha de Me-Zaabe.

40 São estes os nomes dos príncipes de Esaú, segundo as suas famílias, os seus lugares e os seus nomes: o príncipe Timna, o príncipe Alva, o príncipe Jetete,

41 o príncipe Oolibama, o príncipe Elá, o príncipe Pinom,

42 o príncipe Quenaz, o príncipe Temã, o príncipe Mibzar,

43 o príncipe Magdiel e o príncipe Irã; são estes os príncipes de Edom, segundo as suas habitações na terra da sua possessão. Este é Esaú, pai de Edom.

Gênesis 37

José vendido pelos irmãos

1 Habitou Jacó na terra das peregrinações de seu pai, na terra de Canaã.

2 Esta é a história de Jacó. Tendo José dezessete anos, apascentava os rebanhos com seus irmãos; sendo ainda jovem, acompanhava os filhos de Bila e os filhos de Zilpa, mulheres de seu pai; e trazia más notícias deles a seu pai.

3 Ora, Israel amava mais a José que a todos os seus filhos, porque era filho da sua velhice; e fez-lhe uma túnica talar de mangas compridas.

igama lomuzi wakhe laliyiPhawu; igama lomkakhe lalinguMehetabeli indodakazi kaMatiredi, indodakazi kaMezahabi.

40 Lawa angamagama abanumzane abavela ku-Esawu ngemindeni yabo, nangezindawo zabo, nangamagama abo: ngumnumzane uThimna, nomnumzane u-Aliva, nomnumzane uJeteti,

41nomnumzane u-Oholibama, nomnumzane u-Ela, nomnumzane uPhinoni,

42nomnumzane uKenazi, nomnumzane uThemani, nomnumzane uMibisari,

43nomnumzane uMagidiyeli, nomnumzane u-Iramu; yilabo abangabanumzane bakwa-Edomi ngokwakha kwabo ezweni elaliyifa labo; nguyena u-Esawu uyise wabakwa-Edomi.

UGenesise 37

Amaphupho kaJosefa

1 UJakobe wakha ezweni lokugogobala kukayise, ezweni laseKhanani.

2Lokhu kuyindaba kaJakobe. UJosefa eseneminyaka eyishumi nesikhombisa wawalusa umhlambi kayise enabafowabo; engumfana nje wayekuwo amadodana kaBiliha nakuwo amadodana kaZilipa omkayise; uJosefa waletha kuyise imibiko emibi ngabo.

3Kepha u-Israyeli wathanda uJosefa kakhulu kunabantwana bakhe bonke, ngokuba wayeyindodana yobuxhegu bakhe; wamenzela ingubo enemikhono emide.

[4] Vendo, pois, seus irmãos que o pai o amava mais que a todos os outros filhos, odiaram-no e já não lhe podiam falar pacificamente.

[5] Teve José um sonho e o relatou a seus irmãos; por isso, o odiaram ainda mais.

[6] Pois lhes disse: Rogo-vos, ouvi este sonho que tive:

[7] Atávamos feixes no campo, e eis que o meu feixe se levantou e ficou em pé; e os vossos feixes o rodeavam e se inclinavam perante o meu.

[8] Então, lhe disseram seus irmãos: Reinarás, com efeito, sobre nós? E sobre nós dominarás realmente? E com isso tanto mais o odiavam, por causa dos seus sonhos e de suas palavras.

[9] Teve ainda outro sonho e o referiu a seus irmãos, dizendo: Sonhei também que o sol, a lua e onze estrelas se inclinavam perante mim.

[10] Contando-o a seu pai e a seus irmãos, repreendeu-o o pai e lhe disse: Que sonho é esse que tiveste? Acaso, viremos, eu e tua mãe e teus irmãos, a inclinar-nos perante ti em terra?

[11] Seus irmãos lhe tinham ciúmes; o pai, no entanto, considerava o caso consigo mesmo.

[12] E, como foram os irmãos apascentar o rebanho do pai, em Siquém,

[13] perguntou Israel a José: Não apascentam teus irmãos o rebanho em

[4]Abafowabo babona ukuthi uyise umthanda kunabafowabo bonke; khona bamzonda, bengenakukhuluma kuye ngokuthula.

[5]UJosefa waphupha iphupho, wabalandisa lona abafowabo; babelokhu bemzonda kakhulu.

[6]Wathi kubo: Ake nizwe leli phupho engiliphuphileyo.

[7]Bhekani, besibopha izithungu ensimini; naso-ke isithungu sami sivuka sima; nazo-ke izithungu zenu zisiphahla, zisikhothamela isithungu sami.

[8]Base bethi kuye abafowabo: Impela uyakuba yinkosi yethu, usibuse na? Bamzonda kakhulu kunakuqala ngenxa yamaphupho akhe namazwi akhe.

[9]Waphupha nelinye iphupho, wabalandisa lona abafowabo, wathi: Bhekani, ngiphuphe nelinye iphupho; bhekani-ke ilanga nenyanga nezinkanyezi eziyishumi nanye kwangikhothamela.

[10]Wabalandisa uyise nabafowabo; uyise wamsola, wathi kuye: Yiphupho lini leli oliphuphileyo na? Impela mina nonyoko nabafowenu siyakuza, sikukhothamele emhlabathini na?

[11]Abafowabo baba nomhawu ngaye, kepha uyise wawalonda lawa mazwi.

Ukuthengiswa kukaJosefa

[12]Abafowabo baya ukwalusa umhlambi kayise eShekemi.

[13]U-Israyeli wathi kuJosefa: Abafowenu abawalusi umhlambi eShekemi na? Woza,

Siquém? Vem, enviar-te-ei a eles. Respondeu-lhe José: Eis-me aqui.

14 Disse-lhe Israel: Vai, agora, e vê se vão bem teus irmãos e o rebanho; e traze-me notícias. Assim, o enviou do vale de Hebrom, e ele foi a Siquém.

15 E um homem encontrou a José, que andava errante pelo campo, e lhe perguntou: Que procuras?

16 Respondeu: Procuro meus irmãos; dize-me: Onde apascentam eles o rebanho?

17 Disse-lhe o homem: Foram-se daqui, pois ouvi-os dizer: Vamos a Dotã. Então, seguiu José atrás dos irmãos e os achou em Dotã.

18 De longe o viram e, antes que chegasse, conspiraram contra ele para o matar.

19 E dizia um ao outro: Vem lá o tal sonhador!

20 Vinde, pois, agora, matemo-lo e lancemo-lo numa destas cisternas; e diremos: Um animal selvagem o comeu; e vejamos em que lhe darão os sonhos.

21 Mas Rúben, ouvindo isso, livrou-o das mãos deles e disse: Não lhe tiremos a vida.

22 Também lhes disse Rúben: Não derrameis sangue; lançai-o nesta cisterna que está no deserto, e não ponhais mão sobre ele; isto disse para o livrar deles, a fim de o restituir ao pai.

23 Mas, logo que chegou José a seus irmãos, despiram-no da túnica, a túnica talar de mangas compridas que trazia.

ngiyakukuthuma kubo. Wathi kuye: Ngilapha.

14Wayesethi kuye: Hamba-ke, ubone ukuthi basahlezi kahle yini abafowenu nomhlambi, uze ungibuyisele izwi. Wamthuma esuka esigodini saseHebroni, waze wafika eShekemi.

15Umuntu othile wamfumana ezulazula endle; lo muntu wambuza wathi: Ufunani na?

16Wathi: Ngifuna abafowethu; ake ungitshele ukuthi baluselaphi.

17Wathi lowo muntu: Basukile lapha, ngokuba ngabezwa bethi: Asiye eDotayini. UJosefa walandela abafowabo, wabafumana eDotayini.

18Bambona esekude; engakasondeli kubo, bamenzela ugobe lokumbulala.

19Bakhulumisana omunye nomunye, bathi: Bhekani, inyanga yamaphupho iyeza.

20Ngalokho wozani, siyibulale, siyiphonse komunye wemigodi, bese sithi: Isilwane esibi siyidlile, sibone ukuthi azakuba yini amaphupho ayo.

21 URubeni wakuzwa, wamophula esandleni sabo ngokuthi: Asingambulali.

22URubeni wathi kubo: Ningachithi gazi; mphonseni kulo mgodi osehlane, ningabeki isandla kuye, ukuba amophule esandleni sabo, ambuyisele kuyise.

23Kwathi uJosefa esefike kubafowabo, bamkhumula ingubo yakhe, leyo ngubo enemikhono emide ayeyigqokile.

[24] E, tomando-o, o lançaram na cisterna, vazia, sem água.

[25] Ora, sentando-se para comer pão, olharam e viram que uma caravana de ismaelitas vinha de Gileade; seus camelos traziam arômatas, bálsamo e mirra, que levavam para o Egito.

[26] Então, disse Judá a seus irmãos: De que nos aproveita matar o nosso irmão e esconder-lhe o sangue?

[27] Vinde, vendamo-lo aos ismaelitas; não ponhamos sobre ele a mão, pois é nosso irmão e nossa carne. Seus irmãos concordaram.

[28] E, passando os mercadores midianitas, os irmãos de José o alçaram, e o tiraram da cisterna, e o venderam por vinte siclos de prata aos ismaelitas; estes levaram José ao Egito.

[29] Tendo Rúben voltado à cisterna, eis que José não estava nela; então, rasgou as suas vestes.

[30] E, voltando a seus irmãos, disse: Não está lá o menino; e, eu, para onde irei?

[31] Então, tomaram a túnica de José, mataram um bode e a molharam no sangue.

[32] E enviaram a túnica talar de mangas compridas, fizeram-na levar a seu pai e lhe disseram: Achamos isto; vê se é ou não a túnica de teu filho.

[24]Bamthatha, bamphonsa emgodini; umgodi wawungenalutho, kungekho manzi kuwo.

[25]Bahlala phansi ukuba badle isinkwa; baphakamisa amehlo abo, babona; bheka, kwafika ihele labakwa-Ishmayeli livela kwaGileyadi, linamakamela alo ethwele inhlaka nebhalisamu nemure, likwewusela eGibithe.

[26]Wayesethi uJuda kubafowabo: Kuyakusizani, uma simbulala umfowethu, sifihle igazi lakhe, na?

[27]Wozani sithengise ngaye kwabakwa-Ishmayeli, isandla senu singabi phezu kwakhe, ngokuba ungumfowethu, uyinyama yethu. Abafowabo bamlalela.

[28] Kwase kudlula abathengi bakwaMidiyani; bamdonsa uJosefa, bamkhuphula emgodini, bathengisa ngoJosefa kwabakwa-Ishmayeli ngezinhlamvu ezingamashumi amabili zesiliva. Labo-ke bamusa uJosefa eGibithe.

[29]URubeni wabuyela emgodini; bheka, uJosefa wayengasekho emgodini; waklebhula izingubo zakhe.

[30]Wayesebuyela kubafowabo, ethi: Akasekho umntwana; mina-ke ngizakushonaphi na?

[31]Base bethatha ingubo kaJosefa, bahlaba impongo, bacwilisa ingubo egazini.

[32]Bathumela leyo ngubo enemikhono emide, bayiyisa kuyise, bathi: Siyitholile lena; ake ubone, uma le ngubo

33 Ele a reconheceu e disse: É a túnica de meu filho; um animal selvagem o terá comido, certamente José foi despedaçado.

34 Então, Jacó rasgou as suas vestes, e se cingiu de pano de saco, e lamentou o filho por muitos dias.

35 Levantaram-se todos os seus filhos e todas as suas filhas, para o consolarem; ele, porém, recusou ser consolado e disse: Chorando, descerei a meu filho até à sepultura. E de fato o chorou seu pai.

36 Entrementes, os midianitas venderam José no Egito a Potifar, oficial de Faraó, comandante da guarda.

ingeyendodana yakho yini, noma akusiyo na?

33 Wayibona, wathi: Yiyo ingubo yendodana yami; isilwane esibi simdlile; yebo, uJosefa udatshuliwe nokudatshulwa.

34UJakobe wayeseklebhula izingubo zakhe, wafaka indwangu yamasaka okhalweni lwakhe, walilela indodana yakhe izinsuku eziningi.

35Onke amadodana akhe nawo onke amadodakazi akhe asuka ukuyomduduza, kepha wala ukududuzwa, wathi: Ngiyakwehla, ngiye endodaneni yami endaweni yabafileyo ngilila. Uyise wamlilela-ke.

36 AbakwaMidiyani bathengisa ngaye eGibithe kuPotifari, inceku kaFaro, induna yabalindi bakhe.

Gênesis 38

Judá e Tamar

1 Aconteceu, por esse tempo, que Judá se apartou de seus irmãos e se hospedou na casa de um adulamita, chamado Hira.

2 Ali viu Judá a filha de um cananeu, chamado Sua; ele a tomou por mulher e a possuiu.

3 E ela concebeu e deu à luz um filho, e o pai lhe chamou Er.

4 Tornou a conceber e deu à luz um filho; a este deu a mãe o nome de Onã.

5 Continuou ainda e deu à luz outro filho, cujo nome foi Selá; ela estava em Quezibe quando o teve.

UGenesise 38

Amadodana kaJuda

1Kwathi ngaleso sikhathi uJuda wasuka kubafowabo, wehla, waya kumuntu wase-Adulamu ogama lakhe linguHira.

2UJuda wabona lapho indodakazi yomuntu waseKhanani ogama lakhe linguShuwa; wayithatha, wangena kuyo.

3Yakhulelwa, yazala indodana, yaqamba igama layo ngokuthi u-Eri.

4Yabuye yakhulelwa, yazala indodana, yaqamba igama layo ngokuthi u-Onani.

5Yabuye yazala futhi indodana, yaqamba igama layo ngokuthi uShela; uJuda wayeseKesibi ekuyizaleni kwayo.

[6] Judá, pois, tomou esposa para Er, o seu primogênito; o nome dela era Tamar.

[7] Er, porém, o primogênito de Judá, era perverso perante o SENHOR, pelo que o SENHOR o fez morrer.

[8] Então, disse Judá a Onã: Possui a mulher de teu irmão, cumpre o levirato e suscita descendência a teu irmão.

[9] Sabia, porém, Onã que o filho não seria tido por seu; e todas as vezes que possuía a mulher de seu irmão deixava o sêmen cair na terra, para não dar descendência a seu irmão.

[10] Isso, porém, que fazia, era mau perante o SENHOR, pelo que também a este fez morrer.

[11] Então, disse Judá a Tamar, sua nora: Permanece viúva em casa de teu pai, até que Selá, meu filho, venha a ser homem. Pois disse: Para que não morra também este, como seus irmãos. Assim, Tamar se foi, passando a residir em casa de seu pai.

[12] No correr do tempo morreu a filha de Sua, mulher de Judá; e, consolado Judá, subiu aos tosquiadores de suas ovelhas, em Timna, ele e seu amigo Hira, o adulamita.

[13] E o comunicaram a Tamar: Eis que o teu sogro sobe a Timna, para tosquiar as ovelhas.

[14] Então, ela despiu as vestes de sua viuvez, e, cobrindo-se com um véu, se disfarçou, e se assentou à entrada de Enaim, no caminho de Timna; pois via

[6]UJuda wamthathela u-Eri izibulo lakhe umfazi ogama lakhe linguTamari.

[7] U-Eri izibulo likaJuda wayemubi emehlweni kaJehova; uJehova wambulala.

[8] UJuda wathi ku-Onani: Yiya kumkamfowenu, umngene, umvusele umfowenu inzalo.

[9]U-Onani wayekwazi ukuthi inzalo ayiyikuba ngeyakhe; kwathi nxa engena kumkamfowabo, wachitha emhlabathini ukuba angamniki umfowabo inzalo.

[10]Kwaba kubi emehlweni kaJehova lokho akwenzileyo; wambulala naye futhi.

[11]UJuda wayesethi kuTamari umalokazana wakhe: Hlala ungumfelokazi endlini kayihlo, aze akhule uShela indodana yami, ngokuba wathi: Ukuba angafi njengabafowabo. UTamari waya wahlala kwabo.

OJuda noTamari

[12]Emva kwezinsuku eziningi yafa indodakazi kaShuwa umkaJuda; eseduduzekile uJuda wakhuphuka, waya kubo abagundi bezimvu zakhe eThimna, yena kanye nomhlobo wakhe uHira wase-Adulamu.

[13]Kwatshelwa uTamari ukuthi: Bheka, uyihlozala uyakhuphukela eThimna ukuyogunda izimvu zakhe.

[14]Wayesekhumula izingubo zakhe zobufelokazi, wagubuzela, wazimboza, wahlala esangweni lase-Enayimi ngasendleleni eya eThimna, ngokuba

que Selá já era homem, e ela não lhe fora dada por mulher.

15 Vendo-a Judá, teve-a por meretriz; pois ela havia coberto o rosto.

16 Então, se dirigiu a ela no caminho e lhe disse: Vem, deixa-me possuir-te; porque não sabia que era a sua nora. Ela respondeu: Que me darás para coabitares comigo?

17 Ele respondeu: Enviar-te-ei um cabrito do rebanho. Perguntou ela: Dar-me-ás penhor até que o mandes?

18 Respondeu ele: Que penhor te darei? Ela disse: O teu selo, o teu cordão e o cajado que seguras. Ele, pois, lhos deu e a possuiu; e ela concebeu dele.

19 Levantou-se ela e se foi; tirou de sobre si o véu e tornou às vestes da sua viuvez.

20 Enviou Judá o cabrito, por mão do adulamita, seu amigo, para reaver o penhor da mão da mulher; porém não a encontrou.

21 Então, perguntou aos homens daquele lugar: Onde está a prostituta cultual que se achava junto ao caminho de Enaim? Responderam: Aqui não esteve meretriz nenhuma.

22 Tendo voltado a Judá, disse: Não a encontrei; e também os homens do lugar me disseram: Aqui não esteve prostituta cultual nenhuma.

wabona ukuthi uShela usekhulile, engamnikwa nokho abe ngumkakhe.

15UJuda esembona wacabanga ukuthi uyisifebe, ngokuba wayegubuzele ubuso.

16Waphambukela kuye endleleni, wathi: Woza, ake ngingene kuwe, ngokuba wayengazi ukuthi ungumalokazana wakhe. Wathi: Uyakungiphani ukuba ungene kimi na?

17Wayesethi: Mina ngizakukuthumela izinyane lembuzi elisemhlambini. Wathi: Uzakunginika isibambiso, uze ulithume, na?

18Wathi: Ngikuphe sibambiso sini na? Wathi: Indandatho yakho, nentambo yakho, nodondolo lwakho olusesandleni sakho. Wamupha, wangena kuye; wakhuliselwa nguye.

19Wasuka, wahamba, wakhumula iveli lakhe, wembatha izingubo zakhe zobufelokazi.

20UJuda wathuma izinyane lembuzi ngesandla somhlobo wakhe wase-Adulamu ukuba athathe isibambiso esandleni sowesifazane, kepha akamfumananga.

21Wayesebuza abantu bendawo yakhe, wathi: Siphi isifebe esasise-Enayimi ngasendleleni na? Bathi: Akuzange kube khona isifebe lapha.

22Wayesebuyela kuJuda, ethi: Angisifumananga; nabantu bendawo bathi: Akuzange kube khona isifebe lapha.

[23] Respondeu Judá: Que ela o guarde para si, para que não nos tornemos em opróbrio; mandei-lhe, com efeito, o cabrito, todavia, não a achaste.

[24] Passados quase três meses, foi dito a Judá: Tamar, tua nora, adulterou, pois está grávida. Então, disse Judá: Tirai-a fora para que seja queimada.

[25] Em tirando-a, mandou ela dizer a seu sogro: Do homem de quem são estas coisas eu concebi. E disse mais: Reconhece de quem é este selo, e este cordão, e este cajado.

[26] Reconheceu-os Judá e disse: Mais justa é ela do que eu, porquanto não a dei a Selá, meu filho. E nunca mais a possuiu.

[27] E aconteceu que, estando ela para dar à luz, havia gêmeos no seu ventre.

[28] Ao nascerem, um pôs a mão fora, e a parteira, tomando-a, lhe atou um fio encarnado e disse: Este saiu primeiro.

[29] Mas, recolhendo ele a mão, saiu o outro; e ela disse: Como rompeste saída? E lhe chamaram Perez.

[30] Depois, lhe saiu o irmão, em cuja mão estava o fio encarnado; e lhe chamaram Zera.

Gênesis 39

José na casa de Potifar

[1] José foi levado ao Egito, e Potifar, oficial de Faraó, comandante da guarda, egípcio,

[23]Wathi uJuda: Masizithathele sona, funa sibe nehlazo; bheka, ngithume leli zinyane, kepha awusifumananga.

[24]Kwathi emva kwezinyanga ezintathu uJuda watshelwa ukuthi: UTamari umalokazana wakho ufebile; bheka, futhi ukhulelwe ngokufeba kwakhe. UJuda wathi: Mletheni, ashiswe.

[25]Eselethiwe wathumela kuyisezala, wathi: Ngikhuleliswe yile ndoda engumnini walezi zinto. Wathi futhi: Ake ubone ukuthi ngokukabani le ndandatho, nale ntambo, nalolu dondolo na?

[26]Wakuvuma uJuda, wathi: Ulungile kunami, njengokuba ngingamnikanga uShela indodana yami. Akabange esamazi futhi.

[27]Kwathi ngesikhathi sokubeletha kwakhe, bheka, ngamawele asesiswini sakhe.

[28]Kwathi esabeletha, omunye wakhipha isandla; umbelethisi wathatha, wabopha esandleni sakhe ngentambo ebomvu, wathi: Lo uphume kuqala.

[29] Kwathi ukuba afinyeze isandla sakhe, nangu umfowabo ephuma; wathi: Ufuzuleleni na? Ngalokho igama lakhe laqanjwa ngokuthi uPheresi.

[30]Ngasemuva waphuma umfowabo owayenentambo ebomvu esandleni sakhe; igama lakhe lathiwa uZera.

UGenesise 39

Isikhundla sikaJosefa

[1] UJosefa wehliselwa eGibithe; uPotifari inceku kaFaro, induna yemilindankosi,

comprou-o dos ismaelitas que o tinham levado para lá.

[2] O SENHOR era com José, que veio a ser homem próspero; e estava na casa de seu senhor egípcio.

[3] Vendo Potifar que o SENHOR era com ele e que tudo o que ele fazia o SENHOR prosperava em suas mãos,

[4] logrou José mercê perante ele, a quem servia; e ele o pôs por mordomo de sua casa e lhe passou às mãos tudo o que tinha.

[5] E, desde que o fizera mordomo de sua casa e sobre tudo o que tinha, o SENHOR abençoou a casa do egípcio por amor de José; a bênção do SENHOR estava sobre tudo o que tinha, tanto em casa como no campo.

[6] Potifar tudo o que tinha confiou às mãos de José, de maneira que, tendo-o por mordomo, de nada sabia, além do pão com que se alimentava. José era formoso de porte e de aparência.

[7] Aconteceu, depois destas coisas, que a mulher de seu senhor pôs os olhos em José e lhe disse: Deita-te comigo.

[8] Ele, porém, recusou e disse à mulher do seu senhor: Tem-me por mordomo o meu senhor e não sabe do que há em casa, pois tudo o que tem me passou ele às minhas mãos.

[9] Ele não é maior do que eu nesta casa e nenhuma coisa me vedou, senão a ti, porque és sua mulher; como, pois,

owaseGibithe, wamthenga esandleni sabakwa-Ishmayeli ababemehlisele khona.

[2]UJehova wayenaye uJosefa, waba ngumuntu onenhlanhla; wayesendlini yenkosi yakhe yaseGibithe.

[3]Inkosi yakhe yabona ukuthi uJehova unaye nokuthi konke akwenzayo uJehova wakuphumelelisa esandleni sakhe.

[4]UJosefa wafumana umusa emehlweni ayo, wayikhonza; yambeka abe yinduna phezu kwendlu yayo, nakho konke okwayo yakunikela esandleni sakhe.

[5]Kusukela kuleso sikhathi embeke ngaso ukuba abe yinduna phezu kwendlu yayo naphezu kwakho konke okwayo, uJehova wabusisa indlu yowaseGibithe ngenxa kaJosefa; isibusiso sikaJehova sasikukho konke okwayo endlini nasensimini.

[6]Yashiya konke okwayo esandleni sikaJosefa; yayingazi lutho olwayo, ukudla eyakudlayo kuphela. UJosefa wayengumgembeleza, eyigeza.

Ubumhlophe bukaJosefa

[7]Kwathi emva kwalezo zinto umkankosi yakhe waphonsa amehlo kuJosefa, wathi: Lala nami.

[8]Kepha wala, wathi kumkankosi yakhe: Bheka, inkosi yami ayikwazi enginakho endlini, inikele konke okwayo esandleni sami;

[9]ayinkulu kunami kule ndlu; futhi ayingigodlelanga lutho ngaphandle kwakho kuphela, ngokuba ungumkayo;

cometeria eu tamanha maldade e pecaria contra Deus?

[10] Falando ela a José todos os dias, e não lhe dando ele ouvidos, para se deitar com ela e estar com ela,

[11] sucedeu que, certo dia, veio ele a casa, para atender aos negócios; e ninguém dos de casa se achava presente.

[12] Então, ela o pegou pelas vestes e lhe disse: Deita-te comigo; ele, porém, deixando as vestes nas mãos dela, saiu, fugindo para fora.

[13] Vendo ela que ele fugira para fora, mas havia deixado as vestes nas mãos dela,

[14] chamou pelos homens de sua casa e lhes disse: Vede, trouxe-nos meu marido este hebreu para insultar-nos; veio até mim para se deitar comigo; mas eu gritei em alta voz.

[15] Ouvindo ele que eu levantava a voz e gritava, deixou as vestes ao meu lado e saiu, fugindo para fora.

[16] Conservou ela junto de si as vestes dele, até que seu senhor tornou a casa.

[17] Então, lhe falou, segundo as mesmas palavras, e disse: O servo hebreu, que nos trouxeste, veio ter comigo para insultar-me;

[18] quando, porém, levantei a voz e gritei, ele, deixando as vestes ao meu lado, fugiu para fora.

[19] Tendo o senhor ouvido as palavras de sua mulher, como lhe tinha dito: Desta maneira me fez o teu servo; então, se lhe acendeu a ira.

pho, ngingenza kanjani lobo bubi obungaka, ngone kuNkulunkulu na?

[10]Kwathi esakhuluma kuJosefa izinsuku ngezinsuku, akamlalelanga ukuba alale naye, nokuba abe naye.

[11]Kwathi ngosuku lumbe engena endlini ukuyokwenza imisebenzi yakhe, kungekho lapho phakathi noyedwa owendlu,

[12]wambamba ngengubo yakhe, wathi: Lala nami, kepha washiya ingubo yakhe esandleni sakhe, wabaleka, wagijimela phandle.

[13]Kwathi esebone ukuthi ushiyile ingubo esandleni sakhe, wabaleka,

[14]wabiza abantu bendlu, wakhuluma kubo, wathi: Bonani usilethele umHeberu ukuba adlale ngathi; uze kimina ukuba alale nami; ngamemeza ngezwi elikhulu;

[15]wathi ezwa ukuthi ngiphakamisa izwi lami ngimemeza, washiya ingubo yakhe kimi, wabaleka, wagijimela phandle.

[16]Wayesebeka le ngubo kuye, yaze yafika ekhaya inkosi yakhe.

[17]Wakhuluma kuyo wona lawa mazwi, wathi: Le nceku engumHeberu, osilethele yona, ize kimi ukuba idlale ngami;

[18]kwathi ukuba ngiphakamise izwi lami ngimemeza, yashiya ingubo yayo kimi, yabalekela phandle.

Ukuboshwa kukaJosefa

[19]Yathi inkosi yakhe isizwe amazwi omkayo ayewakhulume kuyo, ethi: Yenze njalo kimi inceku yakho, lwavutha ulaka lwayo.

[20] E o senhor de José o tomou e o lançou no cárcere, no lugar onde os presos do rei estavam encarcerados; ali ficou ele na prisão.

[21] O SENHOR, porém, era com José, e lhe foi benigno, e lhe deu mercê perante o carcereiro;

[22] o qual confiou às mãos de José todos os presos que estavam no cárcere; e ele fazia tudo quanto se devia fazer ali.

[23] E nenhum cuidado tinha o carcereiro de todas as coisas que estavam nas mãos de José, porquanto o SENHOR era com ele, e tudo o que ele fazia o SENHOR prosperava.

Gênesis 40

José na prisão interpreta dois sonhos

[1] Passadas estas coisas, aconteceu que o mordomo do rei do Egito e o padeiro ofenderam o seu senhor, o rei do Egito.

[2] Indignou-se Faraó contra os seus dois oficiais, o copeiro-chefe e o padeiro-chefe.

[3] E mandou detê-los na casa do comandante da guarda, no cárcere onde José estava preso.

[4] O comandante da guarda pô-los a cargo de José, para que os servisse; e por algum tempo estiveram na prisão.

[5] E ambos sonharam, cada um o seu sonho, na mesma noite; cada sonho com a sua própria significação, o copeiro e o

[20] Inkosi kaJosefa yamthatha, yamfaka etilongweni, indawo lapho iziboshwa zenkosi zaziboshwa khona; waba khona etilongweni.

[21]Kepha uJehova wayenaye uJosefa, wamupha umusa, wamenzela ububele emehlweni omlindi wetilongo.

[22]Umlindi wetilongo wanikela esandleni sikaJosefa zonke iziboshwa ezazisetilongweni; konke ezazikwenza khona nguyena owayekwenza.

[23] Umlindi wetilongo akabanga esabheka lutho olusesandleni sakhe, ngokuba uJehova wayenaye, nalokho akwenzayo uJehova wakuphumelelisa.

UGenesise 40

Amaphupho omphathizitsha nomphekizinkwa

[1]Kwathi emva kwalezo zinto umphathizitsha wenkosi yaseGibithe nomphekizinkwa wayo bona enkosini yabo, inkosi yaseGibithe.

[2]UFaro wazithukuthelela lezo zinceku zakhe zombili, induna yabaphathizitsha nenduna yabaphekizinkwa.

[3]Wazibeka ukuba zilindwe endlini yenduna yemilindankosi etilongweni, indawo lapho wayeboshwe khona uJosefa.

[4]Induna yemilindankosi yamyala ngazo uJosefa ukuba azibheke; wazikhonza; zazisekulindweni izinsukwana.

[5]Baphupha iphupho bobabili, kwaba yilowo nalowo iphupho lakhe ngabusuku bunye, yilowo nalowo ngokokuchazwa kwephupho lakhe, umphathizitsha

padeiro do rei do Egito, que se achavam encarcerados.

[6] Vindo José, pela manhã, viu-os, e eis que estavam turbados.

[7] Então, perguntou aos oficiais de Faraó, que com ele estavam no cárcere da casa do seu senhor: Por que tendes, hoje, triste o semblante?

[8] Eles responderam: Tivemos um sonho, e não há quem o possa interpretar. Disse-lhes José: Porventura, não pertencem a Deus as interpretações? Contai-me o sonho.

O sonho do copeiro-chefe

[9] Então, o copeiro-chefe contou o seu sonho a José e lhe disse: Em meu sonho havia uma videira perante mim.

[10] E, na videira, três ramos; ao brotar a vide, havia flores, e seus cachos produziam uvas maduras.

[11] O copo de Faraó estava na minha mão; tomei as uvas, e as espremi no copo de Faraó, e o dei na própria mão de Faraó.

[12] Então, lhe disse José: Esta é a sua interpretação: os três ramos são três dias;

[13] dentro ainda de três dias, Faraó te reabilitará e te reintegrará no teu cargo, e tu lhe darás o copo na própria mão dele, segundo o costume antigo, quando lhe eras copeiro.

nomphekizinkwa wenkosi yaseGibithe, ababeboshwe etilongweni.

[6]UJosefa wangena kubo ekuseni, wabona ukuthi badabukile.

[7]Wayesebuza izinceku zikaFaro ezazinaye zilindwe endlini yenkosi yakhe, ethi: Ubuso benu budabukeleni namuhla na?

[8]Bathi kuye: Siphuphe iphupho, akakho ongalichaza. UJosefa wathi kubo: Ukuchaza akusikho okukaNkulunkulu na? Ake ningilandise lona.

[9]Induna yabaphathizitsha yayisimlandisa uJosefa iphupho layo, yathi kuye: Ephusheni lami kwakukhona umvini phambi kwami;

[10]emvinini kwakukhona amagatsha amathathu; wahluma qede wakhahlela, amahlukuzo awo athela izithelo.

[11]Indebe kaFaro yayisesandleni sami; ngathatha izithelo zomvini, ngazikhamela endebeni kaFaro, indebe ngayinikela esandleni sikaFaro.

[12]Wathi uJosefa kuye: Nakho ukuchazwa kwalo: lawo magatsha amathathu ayizinsuku ezintathu;

[13]zingakadluli izinsuku ezintathu, uFaro uzakuphakamisa ikhanda lakho, akubuyisele esikhundleni sakho; uzakunikela indebe esandleni sikaFaro njengokwenza kwakho kwakuqala, lapho wawungumphathizitsha wakhe.

[14] Porém lembra-te de mim, quando tudo te correr bem; e rogo-te que sejas bondoso para comigo, e faças menção de mim a Faraó, e me faças sair desta casa;

[14]Kepha ngikhumbule, nxa usuhlezi kahle, ungenzele umusa, ungibike kuFaro, ungikhiphe kule ndlu.

[15] porque, de fato, fui roubado da terra dos hebreus; e, aqui, nada fiz, para que me pusessem nesta masmorra.

[15]Ngokuba ngebiwa nokwebiwa ezweni lamaHeberu, nalapha futhi angenzanga lutho ukuba bangifake emgodini.

O sonho do padeiro-chefe

[16] Vendo o padeiro-chefe que a interpretação era boa, disse a José: Eu também sonhei, e eis que três cestos de pão alvo me estavam sobre a cabeça;

[16]Kwathi induna yabaphekizinkwa ibona ukuthi lokho kuchazwa kwakukuhle, yathi kuJosefa: Nakimi ephusheni lami kwakungathi kukhona amaqoma amathathu esinkwa esimhlophe ekhanda lami.

[17] e no cesto mais alto havia de todos os manjares de Faraó, arte de padeiro; e as aves os comiam do cesto na minha cabeça.

[17]Eqomeni elingaphezulu kwakukhona izinhlobo zonke zokudla kukaFaro; izinyoni zazikudla eqomeni eliphezu kwekhanda lami.

[18] Então, lhe disse José: A interpretação é esta: os três cestos são três dias;

[18]UJosefa waphendula wathi: Lokhu kungukuchazwa kwalo: lawo maqoma amathathu ayizinsuku ezintathu;

[19] dentro ainda de três dias, Faraó te tirará fora a cabeça e te pendurará num madeiro, e as aves te comerão as carnes.

[19]zingakadluli izinsuku ezintathu, uFaro uzakuphakamisa ikhanda lakho, alisuse kuwe, akuphanyeke emthini; izinyoni ziyakudla inyama yakho, ziyisuse kuwe.

[20] No terceiro dia, que era aniversário de nascimento de Faraó, deu este um banquete a todos os seus servos; e, no meio destes, reabilitou o copeiro-chefe e condenou o padeiro-chefe.

[20]Kwathi ngosuku lwesithathu, usuku lokuzalwa kukaFaro, wazenzela izinceku zakhe zonke idili, waphakamisa ikhanda lenduna yabaphathizitsha nelenduna yabaphekizinkwa phakathi kwezinceku zakhe.

[21] Ao copeiro-chefe reintegrou no seu cargo, no qual dava o copo na mão de Faraó;

[21]Wayibuyisela induna yabaphathizitsha esikhundleni sayo, waze wanikela indebe esandleni sikaFaro;

[22] mas ao padeiro-chefe enforcou, como José havia interpretado.

[23] O copeiro-chefe, todavia, não se lembrou de José, porém dele se esqueceu.

Gênesis 41

José interpreta os sonhos de Faraó

[1] Passados dois anos completos, Faraó teve um sonho. Parecia-lhe achar-se ele de pé junto ao Nilo.

[2] Do rio subiam sete vacas formosas à vista e gordas e pastavam no carriçal.

[3] Após elas subiam do rio outras sete vacas, feias à vista e magras; e pararam junto às primeiras, na margem do rio.

[4] As vacas feias à vista e magras comiam as sete formosas à vista e gordas. Então, acordou Faraó.

[5] Tornando a dormir, sonhou outra vez. De uma só haste saíam sete espigas cheias e boas.

[6] E após elas nasciam sete espigas mirradas, crestadas do vento oriental.

[7] As espigas mirradas devoravam as sete espigas grandes e cheias. Então, acordou Faraó. Fora isto um sonho.

[8] De manhã, achando-se ele de espírito perturbado, mandou chamar todos os magos do Egito e todos os seus sábios e

[22]kepha wayiphanyeka induna yabaphekizinkwa, njengalokho ebebachazele uJosefa.

[23]Nokho induna yabaphathizitsha ayamkhumbula uJosefa, yamkhohlwa.

UGenesise 41

Amaphupho kaFaro

[1]Kwathi ngasekupheleni kweminyaka emibili waphupha uFaro; bheka, wayemi ngasemfuleni.

[2]Bheka, kwakhuphuka emfuleni izithole eziyisikhombisa ezibukeka kahle, zikhuluphele, zadla emhlangeni.

[3]Nazo ezinye izithole eziyisikhombisa zenyuka emfuleni emva kwazo, zibukeka kabi, zondile; zema kwezinye izithole ogwini lomfula.

[4]Izithole ezibukeka kabi ezondileyo zadla izithole ezibukeka kahle ezikhulupheleyo. Wayesephaphama uFaro.

[5]Walala ubuthongo, waphupha ngokwesibili; bheka, kwahluma izikhwebu eziyisikhombisa ezeleni linye, zibhoxile, zizinhle.

[6]Bheka, nezikhwebu eziyisikhombisa ezincane, ezihamukile ngumoya wasempumalanga, zahluma emva kwazo.

[7]Izikhwebu ezincane zagwinya izikhwebu ezibhoxileyo ezipheleleyo. Wayesephaphama uFaro; bheka, kwakuyiphupho.

[8]Kwathi ekuseni umoya wakhe wakhathazeka; wathuma wabiza izanusi zonke zaseGibithe nezihlakaniphi zonke zalo; uFaro wazilandisa iphupho lakhe;

lhes contou os sonhos; mas ninguém havia que lhos interpretasse.

[9] Então, disse a Faraó o copeiro-chefe: Lembro-me hoje das minhas ofensas.

[10] Estando Faraó mui indignado contra os seus servos e pondo-me sob prisão na casa do comandante da guarda, a mim e ao padeiro-chefe,

[11] tivemos um sonho na mesma noite, eu e ele; sonhamos, e cada sonho com a sua própria significação.

[12] Achava-se conosco um jovem hebreu, servo do comandante da guarda; contamos-lhe os nossos sonhos, e ele no-los interpretou, a cada um segundo o seu sonho.

[13] E como nos interpretou, assim mesmo se deu: eu fui restituído ao meu cargo, o outro foi enforcado.

[14] Então, Faraó mandou chamar a José, e o fizeram sair à pressa da masmorra; ele se barbeou, mudou de roupa e foi apresentar-se a Faraó.

[15] Este lhe disse: Tive um sonho, e não há quem o interprete. Ouvi dizer, porém, a teu respeito que, quando ouves um sonho, podes interpretá-lo.

[16] Respondeu-lhe José: Não está isso em mim; mas Deus dará resposta favorável a Faraó.

kepha akubangakho ongachazela wona uFaro.

[9] Yayisikhuluma induna yabaphathizitsha kuFaro, ithi: Ngiyakhumbula namuhla amacala ami.

[10]UFaro wathukuthelela izinceku zakhe, wangifaka ukuba ngilindwe endlini yenduna yemilindankosi, mina kanye nenduna yabaphekizinkwa.

[11]Saphupha iphupho ngabona lobo busuku mina naye. Saphupha, kwaba yilowo nalowo ngokokuchazwa kwephupho lakhe.

[12]Kwakukhona nathi lapho insizwa, umHeberu, inceku yenduna yemilindankosi; sayilandisa yona, yasichazela amaphupho ethu, yachazela, kwaba yilowo nalowo ngokwephupho lakhe.

[13]Kwathi njengalokho yasichazela, kwaba njalo; mina inkosi yangibuyisela esikhundleni sami, yena yamphanyeka.

[14] UFaro wayesethuma wambiza uJosefa; bashesha bamkhipha emgodini; waphucula, waphendulela ezinye izingubo, wangena kuFaro.

[15]Wayesethi uFaro kuJosefa: Ngiphuphe iphupho, kakho ongalichaza; sengizwe kuthiwa ngawe, lapho ulizwa iphupho, ungalichaza.

[16]UJosefa wamphendula uFaro, wathi: Akukimi lokho; uNkulunkulu uzakumphendula kahle uFaro.

[17] Então, contou Faraó a José: No meu sonho, estava eu de pé na margem do Nilo,

[18] e eis que subiam dele sete vacas gordas e formosas à vista e pastavam no carriçal.

[19] Após estas subiam outras vacas, fracas, mui feias à vista e magras; nunca vi outras assim disformes, em toda a terra do Egito.

[20] E as vacas magras e ruins comiam as primeiras sete gordas;

[21] e, depois de as terem engolido, não davam aparência de as terem devorado, pois o seu aspecto continuava ruim como no princípio. Então, acordei.

[22] Depois, vi, em meu sonho, que sete espigas saíam da mesma haste, cheias e boas;

[23] após elas nasceram sete espigas secas, mirradas e crestadas do vento oriental.

[24] As sete espigas mirradas devoravam as sete espigas boas. Contei-o aos magos, mas ninguém houve que mo interpretasse.

[25] Então, lhe respondeu José: O sonho de Faraó é apenas um; Deus manifestou a Faraó o que há de fazer.

[26] As sete vacas boas serão sete anos; as sete espigas boas, também sete anos; o sonho é um só.

[17]UFaro wakhuluma kuJosefa, wathi: Ephusheni lami, bheka, ngangimi ogwini lomfula;

[18]bheka, kwase kukhuphuka emfuleni izithole eziyisikhombisa ezikhulupheleyo ezibukeka kahle; zadla emhlangeni.

[19]Nazo ezinye izithole eziyisikhombisa zenyuka emva kwazo, zizacile, zibukeka kabi kakhulu, zondile, engingazange ngibone ezimbi njengalezo ezweni lonke laseGibithe.

[20]Izithole ezondileyo ezimbi zadla eziyisikhombisa zokuqala ezikhulupheleyo.

[21]Lapho sezingene eziswini zazo, akwabonakala ukuthi zingene eziswini zazo; zazisabukeka zizimbi njengakuqala. Ngase ngiphaphama.

[22] Futhi ngabona ephusheni lami, bheka, kwahluma izikhwebu eziyisikhombisa ezeleni linye, ziphelele, zizinhle.

[23]Bheka, nezikhwebu eziyizintshwamu ezincane, ezihamukile ngumoya wasempumalanga, zahluma emva kwazo.

[24]Izikhwebu ezincane zagwinya izikhwebu eziyisikhombisa ezinhle; ngakulandisa izanusi, kepha sasingekho esingangazisa khona.

[25]UJosefa wayesethi kuFaro: Iphupho likaFaro linye; lokho uNkulunkulu azakukwenza umazise uFaro khona.

[26]Izithole eziyisikhombisa ezinhle ziyiminyaka eyisikhombisa; izikhwebu eziyisikhombisa ezinhle ziyiminyaka eyisikhombisa; iphupho linye.

[27] As sete vacas magras e feias, que subiam após as primeiras, serão sete anos, bem como as sete espigas mirradas e crestadas do vento oriental serão sete anos de fome.
[28] Esta é a palavra, como acabo de dizer a Faraó, que Deus manifestou a Faraó que ele há de fazer.
[29] Eis aí vêm sete anos de grande abundância por toda a terra do Egito.

[30] Seguir-se-ão sete anos de fome, e toda aquela abundância será esquecida na terra do Egito, e a fome consumirá a terra;

[31] e não será lembrada a abundância na terra, em vista da fome que seguirá, porque será gravíssima.

[32] O sonho de Faraó foi dúplice, porque a coisa é estabelecida por Deus, e Deus se apressa a fazê-la.

[33] Agora, pois, escolha Faraó um homem ajuizado e sábio e o ponha sobre a terra do Egito.
[34] Faça isso Faraó, e ponha administradores sobre a terra, e tome a quinta parte dos frutos da terra do Egito nos sete anos de fartura.
[35] Ajuntem os administradores toda a colheita dos bons anos que virão, recolham cereal debaixo do poder de Faraó, para mantimento nas cidades, e o guardem.
[36] Assim, o mantimento será para abastecer a terra nos sete anos da fome

[27]Izithole ezondileyo ezimbi ezakhuphuka emva kwazo ziyiminyaka eyisikhombisa kanye nezikhwebu ezincane, ezihamukile ngumoya wasempumalanga; ziyiminyaka eyisikhombisa yendlala.
[28] Yikho lokhu engikushilo kuFaro: lokho uNkulunkulu asezakukwenza ukubonakalisile kuFaro.
[29]Bheka, kuyeza iminyaka eyisikhombisa yenala enkulu ezweni lonke laseGibithe.
[30]Emva kwayo iyakuvela iminyaka eyisikhombisa yendlala; iyakukhohlakala inala yonke ezweni laseGibithe; indlala iyakuliqeda izwe.
[31]Inala ayiyukwaziwa ezweni ngenxa yendlala elandelayo, ngokuba iyakuba nzima kakhulu.
[32]Lokhu ukuthi iphupho liphindwe kabili kuFaro, kungokuba le nto inqunywe nguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyakushesha ayenze.
[33] Manje uFaro makakhethe umuntu oqaphelayo ohlakaniphileyo, ambeke phezu kwezwe laseGibithe.
[34]Makenze njalo uFaro, abeke ababonisi phezu kwezwe, bahlukanise okwesihlanu kwezwe laseGibithe ngeminyaka eyisikhombisa yenala.

[35]Mababuthe konke ukudla kwale minyaka emihle ezayo, banqwabele phansi kwesandla sikaFaro amabele emizini, abe ngukudla, bawalonde.

[36]Lokhu kudla kuyakubekelelwa izwe ngenxa yeminyaka eyisikhombisa yendlala

que haverá no Egito; para que a terra não pereça de fome.

José como governador do Egito

37 O conselho foi agradável a Faraó e a todos os seus oficiais.

38 Disse Faraó aos seus oficiais: Acharíamos, porventura, homem como este, em quem há o Espírito de Deus?

39 Depois, disse Faraó a José: Visto que Deus te fez saber tudo isto, ninguém há tão ajuizado e sábio como tu.

40 Administrarás a minha casa, e à tua palavra obedecerá todo o meu povo; somente no trono eu serei maior do que tu.

41 Disse mais Faraó a José: Vês que te faço autoridade sobre toda a terra do Egito.

42 Então, tirou Faraó o seu anel de sinete da mão e o pôs na mão de José, fê-lo vestir roupas de linho fino e lhe pôs ao pescoço um colar de ouro.

43 E fê-lo subir ao seu segundo carro, e clamavam diante dele: Inclinai-vos! Desse modo, o constituiu sobre toda a terra do Egito.

44 Disse ainda Faraó a José: Eu sou Faraó, contudo sem a tua ordem ninguém levantará mão ou pé em toda a terra do Egito.

45 E a José chamou Faraó de Zafenate-Panéia e lhe deu por mulher a Asenate, filha de Potífera, sacerdote de Om; e percorreu José toda a terra do Egito.

eyakuba khona ezweni laseGibithe ukuba izwe lingabhubhi ngendlala.

Ukuphakanyiswa kukaJosefa

37Leli zwi laba lihle emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe zonke.

38Wayesethi uFaro ezincekwini zakhe: Singamthola yini umuntu onjalo, onoMoya kaNkulunkulu, na?

39Wathi uFaro kuJosefa: Njengokuba uNkulunkulu ekwazise wena konke lokhu, akakho oqaphelayo ohlakaniphileyo njengawe.

[15] Tendo-se acabado, pois, o dinheiro, na terra do Egito e na terra de Canaã, foram todos os egípcios a José e disseram: Dá-nos pão; por que haveremos de morrer em tua presença? Porquanto o dinheiro nos falta.

[15]Isiphelile imali ezweni laseGibithe nasezweni laseKhanani, bonke abaseGibithe beza kuJosefa, bathi: Siphe ukudla; siyakufelani phambi kwakho na? Ngokuba isiphelile imali.

[16] Respondeu José: Se vos falta o dinheiro, trazei o vosso gado; em troca do vosso gado eu vos suprirei.

[16]Wayesethi uJosefa: Lethani izinkomo zenu; ngizakuninika ngezinkomo zenu, uma imali ingekho.

[17] Então, trouxeram o seu gado a José; e José lhes deu pão em troca de cavalos, de rebanhos, de gado e de jumentos; e os sustentou de pão aquele ano em troca do seu gado.

[17]Baletha-ke izinkomo zabo kuJosefa; uJosefa wabenanela ukudla ngamahhashi, nangezimvu, nangezinkomo, nagezimbongolo; wabapha ukudla ngezinkomo zabo zonke ngalowo mnyaka.

[18] Findo aquele ano, foram a José no ano próximo e lhe disseram: Não ocultaremos a meu senhor que se acabou totalmente o dinheiro; e meu senhor já possui os animais; nada mais nos resta diante de meu senhor, senão o nosso corpo e a nossa terra.

[18]Usuphelile lowo mnyaka, beza kuye ngomnyaka wesibili, bathi kuye: Asiyikufihlela inkosi ukuthi imali yethu yonke isiphelile; imihlambi yezinkomo isingeyenkosi; akukho okuseleyo emehlweni enkosi ngaphandle kwemizimba yethu namazwe ethu.

[19] Por que haveremos de perecer diante dos teus olhos, tanto nós como a nossa terra? Compra-nos a nós e a nossa terra a troco de pão, e nós e a nossa terra seremos escravos de Faraó; dá-nos semente para que vivamos e não morramos, e a terra não fique deserta.

[19]Siyakufelani phambi kwakho thina namazwe ethu na? Sithenge thina namazwe ethu ngokudla, sibe yizinceku zikaFaro thina namazwe ethu; siphe imbewu ukuba siphile, singafi, izwe lingachitheki.

[20] Assim, comprou José toda a terra do Egito para Faraó, porque os egípcios venderam cada um o seu campo, porquanto a fome era extrema sobre eles; e a terra passou a ser de Faraó.

[20]UJosefa wamthengela uFaro izwe lonke laseGibithe, ngokuba bonke abaseGibithe bathengisa ngamasimu abo, lokhu indlala yayinzima phezu kwabo; izwe lase liba ngelikaFaro.

[21] Quanto ao povo, ele o escravizou de uma a outra extremidade da terra do Egito.

[21]Abantu wabayisa emizini, ebasusa komunye umncele wezwe laseGibithe kwaze kwaba komunye umncele walo.

[22] Somente a terra dos sacerdotes não a comprou ele; pois os sacerdotes tinham porção de Faraó e eles comiam a sua porção que Faraó lhes tinha dado; por isso, não venderam a sua terra.

[22]Yizwe labapristi kuphela angalithenganga, ngokuba abapristi babethole isabelo kuFaro, badla isabelo sabo abapha sona uFaro; ngalokho abathengisanga ngezwe labo.

[23] Então, disse José ao povo: Eis que hoje vos comprei a vós outros e a vossa terra para Faraó; aí tendes sementes, semeai a terra.

[23]UJosefa wayesethi kubantu: Bhekani, namuhla nginithengile nibe ngabakaFaro nina nezwe lenu; nansi imbewu yenu, nize nihlwanyele emhlabathini.

[24] Das colheitas dareis o quinto a Faraó, e as quatro partes serão vossas, para semente do campo, e para o vosso mantimento e dos que estão em vossas casas, e para que comam as vossas crianças.

[24]Kuyakuthi ezithelweni nimnike uFaro okwesihlanu, izinxenye ezine zibe ngezenu, kube yimbewu yamasimu, nokudla kwenu nokwabendlu yenu, nokudla kwezingane zenu.

[25] Responderam eles: A vida nos tens dado! Achemos mercê perante meu senhor e seremos escravos de Faraó.

[25]Base bethi: Usisindisile; masifumane umusa emehlweni enkosi, sibe yizinceku zikaFaro.

[26] E José estabeleceu por lei até ao dia de hoje que, na terra do Egito, tirasse Faraó o quinto; só a terra dos sacerdotes não ficou sendo de Faraó.

[26]UJosefa washaya umthetho ngezwe laseGibithe kuze kube namuhla wokuthi uFaro uzakuba nokwesihlanu; kuphela izwe labapristi bodwa alibanga yilo elikaFaro.

[27] Assim, habitou Israel na terra do Egito, na terra de Gósen; nela tomaram possessão, e foram fecundos, e muito se multiplicaram.

[27] U-Israyeli wahlala ezweni laseGibithe ezweni laseGosheni; bafuya khona, bazala, banda kakhulu.

[28] Jacó viveu na terra do Egito dezessete anos; de sorte que os dias de Jacó, os anos da sua vida, foram cento e quarenta e sete.

[28]UJakobe wahlala ezweni laseGibithe iminyaka eyishumi nesikhombisa; izinsuku zikaJakobe, iminyaka yokuhamba kwakhe, zaziyiminyaka eyikhulu namashumi amane nesikhombisa.

[29] Aproximando-se, pois, o tempo da morte de Israel, chamou a José, seu filho, e lhe disse: Se agora achei mercê à tua presença, rogo-te que ponhas a mão debaixo da minha coxa e uses comigo de beneficência e de verdade; rogo-te que me não enterres no Egito,

[30] porém que eu jaza com meus pais; por isso, me levarás do Egito e me enterrarás no lugar da sepultura deles. Respondeu José: Farei segundo a tua palavra.

[31] Então, lhe disse Jacó: Jura-me. E ele jurou-lhe; e Israel se inclinou sobre a cabeceira da cama.

[29] Kwase kusondela isikhathi ayesezakufa ngaso u-Israyeli; wayesebiza indodana yakhe uJosefa, wathi kuye: Uma ngifumene umusa emehlweni akho, ake ubeke isandla sakho phansi kwethanga lami, ungenzele umusa neqiniso: ake ungangimbeli eGibithe.

[30] Kepha lapho sengilele kobaba, uze ungikhiphe eGibithe, ungimbele ethuneni labo. Wathi: Ngizakwenza njengezwi lakho.

[31] Wayesethi kuye: Funga kimi. Wayesefunga kuye. U-Israyeli wakhothama esihlokweni sombhede.

Gênesis 48

Jacó adoece

[1] Passadas estas coisas, disseram a José: Teu pai está enfermo. Então, José tomou consigo a seus dois filhos, Manassés e Efraim.

[2] E avisaram a Jacó: Eis que José, teu filho, vem ter contigo. Esforçou-se Israel e se assentou no leito.

[3] Disse Jacó a José: O Deus Todo-Poderoso me apareceu em Luz, na terra de Canaã, e me abençoou,

[4] e me disse: Eis que te farei fecundo, e te multiplicarei, e te tornarei multidão de povos, e à tua descendência darei esta terra em possessão perpétua.

[5] Agora, pois, os teus dois filhos, que te nasceram na terra do Egito, antes que eu viesse a ti no Egito, são meus; Efraim e

UGenesise 48

UJakobe ubusisa uJosefa namadodana akhe

[1]Kwathi emva kwalezo zinto kwathiwa kuJosefa: Bheka, uyihlo uyagula. Wayesethatha amadodana akhe omabili, oManase no-Efrayimi.

[2]Kwase kushiwo kuJakobe ukuthi: Bheka, indodana yakho uJosefa iyeza kuwe. Wayeseziqinisa u-Israyeli, wahlala embhedeni.

[3] UJakobe wathi kuJosefa: UNkulunkulu uSomandla wabonakala kimi eLuze ezweni laseKhanani, wangibusisa,

[4]wathi kimi: Bheka, ngizakukuchumisa, ngikwandise, ngikwenze izizwe eziningi, ngiyiphe inzalo yakho leli zwe emva kwakho libe yifa elingunaphakade.

[5] Manje amadodana akho amabili owazalelwa wona ezweni laseGibithe, ngingakafiki kuwe eGibithe, angawami; o-

Manassés serão meus, como Rúben e Simeão.

[6] Mas a tua descendência, que gerarás depois deles, será tua; segundo o nome de um de seus irmãos serão chamados na sua herança.

[7] Vindo, pois, eu de Padã, me morreu, com pesar meu, Raquel na terra de Canaã, no caminho, havendo ainda pequena distância para chegar a Efrata; sepultei-a ali no caminho de Efrata, que é Belém.

[8] Tendo Israel visto os filhos de José, disse: Quem são estes?

[9] Respondeu José a seu pai: São meus filhos, que Deus me deu aqui. Faze-os chegar a mim, disse ele, para que eu os abençoe.

[10] Os olhos de Israel já se tinham escurecido por causa da velhice, de modo que não podia ver bem. José, pois, fê-los chegar a ele; e ele os beijou e os abraçou.

Jacó abençoa José e os filhos deste

[11] Então, disse Israel a José: Eu não cuidara ver o teu rosto; e eis que Deus me fez ver os teus filhos também.

[12] E José, tirando-os dentre os joelhos de seu pai, inclinou-se à terra diante da sua face.

[13] Depois, tomou José a ambos, a Efraim na sua mão direita, à esquerda de Israel, e a Manassés na sua esquerda, à direita de Israel, e fê-los chegar a ele.

[14] Mas Israel estendeu a mão direita e a pôs sobre a cabeça de Efraim, que era o

Efrayimi noManase njengoRubeni noSimeyoni bazakuba ngabami.

[6]Kepha inzalo yakho oyizala emva kwabo izakuba ngeyakho; iyakubizwa ngegama labafowabo efeni lalabo.

[7] Kepha mina ekusukeni kwami ePhadani Aramu ngafelwa nguRaheli endleleni ezweni laseKhanani, kuse yibangana ukuya e-Efrati; ngammbela khona endleleni eya e-Efrati (eliyiBetlehema).

[8]U-Israyeli wabona amadodana kaJosefa, wathi: Ngobani laba na?

[9]UJosefa wathi kuye: Ngamadodana ami angiphe wona lapha uNkulunkulu. Wayesethi: Ake uwalethe kimi, ngiwabusise.

[10]Kepha amehlo ka-Israyeli ayefiphele ngobudala, engasenakubona; wawasondeza kuye; wawanga, wawagona.

[11]Wayesethi u-Israyeli kuJosefa: Ngangingacabanganga ukuthi ngizakubona ubuso bakho; bheka, uNkulunkulu ungibonise nenzalo yakho.

[12]UJosefa wawakhipha emathangeni akhe; wakhothama, ubuso bakhe bubheke phansi.

[13]UJosefa wayesebathatha bobabili, u-Efrayimi ngesokunene, engakwesokhohlo sika-Israyeli, noManase ngesokhohlo, engakwesokunene sika-Israyeli, wabasondeza kuye.

[14]U-Israyeli wayeselula isandla sakhe sokunene, wasibeka ekhanda lika-

mais novo, e a sua esquerda sobre a cabeça de Manassés, cruzando assim as mãos, não obstante ser Manassés o primogênito.

[15] E abençoou a José, dizendo: O Deus em cuja presença andaram meus pais Abraão e Isaque, o Deus que me sustentou durante a minha vida até este dia,

[16] o Anjo que me tem livrado de todo mal, abençoe estes rapazes; seja neles chamado o meu nome e o nome de meus pais Abraão e Isaque; e cresçam em multidão no meio da terra.

[17] Vendo José que seu pai pusera a mão direita sobre a cabeça de Efraim, foi-lhe isto desagradável, e tomou a mão de seu pai para mudar da cabeça de Efraim para a cabeça de Manassés.

[18] E disse José a seu pai: Não assim, meu pai, pois o primogênito é este; põe a mão direita sobre a cabeça dele.

[19] Mas seu pai o recusou e disse: Eu sei, meu filho, eu o sei; ele também será um povo, também ele será grande; contudo, o seu irmão menor será maior do que ele, e a sua descendência será uma multidão de nações.

[20] Assim, os abençoou naquele dia, declarando: Por vós Israel abençoará, dizendo: Deus te faça como a Efraim e como a Manassés. E pôs o nome de Efraim adiante do de Manassés.

Efrayimi, kanti ungomncane, nesokhohlo ekhanda likaManase, ephambanisa izandla zakhe, ngokuba uManase wayeyizibulo.

[15] Wambusisa uJosefa, wathi: UNkulunkulu abahamba ebusweni bakhe obaba o-Abrahama no-Isaka, uNkulunkulu ongondlile konke ukuhamba kwami kuze kube namuhla,

[16] ingelosi engisindise ebubini bonke mayibusise abafana; mababizwe ngegama lami nangegama lawobaba o-Abrahama no-Isaka; mabande, babe baningi phakathi kwezwe.

[17]Wabona uJosefa ukuthi uyise wabeka isandla sakhe sokunene ekhanda lika-Efrayimi, kwaba kubi emehlweni akhe; wasibamba isandla sikayise ukuba asisuse ekhanda lika-Efrayimi, asibeke ekhanda likaManase.

[18]Wayesethi uJosefa kuyise: Kungabi njalo, ngokuba lo uyizibulo; beka esokunene sakho ekhanda lakhe.

[19] Kepha uyise wala, wathi: Ngiyazi, ndodana yami, ngiyazi; naye uyakuba yisizwe, abe mkhulu naye; kodwa umfowabo uyakuba mkhulu kunaye, inzalo yakhe ibe yizizwe eziningi.

[20]Wayesebabusisa ngalolo suku ngokuthi: Ngawe u-Israyeli uyakubusisa ethi: UNkulunkulu makakwenze ube njengo-Efrayimi nanjengoManase. Wayesembeka-ke u-Efrayimi ngaphambi kukaManase.

[21] Depois, disse Israel a José: Eis que eu morro, mas Deus será convosco e vos fará voltar à terra de vossos pais.

[22] Dou-te, de mais que a teus irmãos, um declive montanhoso, o qual tomei da mão dos amorreus com a minha espada e com o meu arco.

Gênesis 49

Bênçãos proféticas de Jacó

[1] Depois, chamou Jacó a seus filhos e disse: Ajuntai-vos, e eu vos farei saber o que vos há de acontecer nos dias vindouros:

[2] Ajuntai-vos e ouvi, filhos de Jacó; ouvi a Israel, vosso pai.

[3] Rúben, tu és meu primogênito, minha força e as primícias do meu vigor, o mais excelente em altivez e o mais excelente em poder.

[4] Impetuoso como a água, não serás o mais excelente, porque subiste ao leito de teu pai e o profanaste; subiste à minha cama.

[5] Simeão e Levi são irmãos; as suas espadas são instrumentos de violência.

[6] No seu conselho, não entre minha alma; com o seu agrupamento, minha glória não se ajunte; porque no seu furor mataram homens, e na sua vontade perversa jarretaram touros.

[7] Maldito seja o seu furor, pois era forte, e a sua ira, pois era dura; dividi-los-ei em Jacó e os espalharei em Israel.

[21]Wayesethi u-Israyeli kuJosefa: Bheka, mina ngiyafa, kepha uNkulunkulu uyakuba nani, anibuyisele ezweni lawoyihlo.

[22] Wena ngikunike olunye ukhalo ngaphezu kwabafowenu engaluthatha esandleni sama-Amori ngenkemba yami nangomnsalo wami.

UGenesise 49

UJakobe ubusisa amadodana akhe

[1] UJakobe wabiza amadodana akhe, wathi: Buthanani, nginitshele okuzakunehlela ezinsukwini ezizayo.

[2] Qoqanani, nizwe, nina madodana kaJakobe, nimlalele u-Israyeli uyihlo.

[3] Rubeni, uyizibulo lami wena, amandla ami, ukuqala kwezikhwepha zami, ingqongqo ngesithunzi, ingqongqo ngamandla.

[4] Uyachichima njengamanzi, awuyikuba nabungqongqo, ngokuba wakhwela embhedeni kayihlo, wawona; wakhwela okhukhweni lwami.

[5] OSimeyoni noLevi bayizelamani; izinkemba zabo ziyizikhali zobudlwangudlwangu.

[6] Ungangeni emkhandlwini wabo, mphefumulo wami; ungahlangani nebandla labo, nhliziyo yami, ngokuba ngolaka lwabo babulala abantu; ngobudlova babo basika izinkabi umsipha.

[7] Makuqalekiswe ulaka lwabo, ngokuba lwalunamandla, nentukuthelo yabo,

ngokuba yayinonya; ngizakubahlukanisa kwaJakobe, ngibasakaze kwa-Israyeli.

8 Judá, teus irmãos te louvarão; a tua mão estará sobre a cerviz de teus inimigos; os filhos de teu pai se inclinarão a ti.

8 Juda, abafowenu bazakukudumisa wena; isandla sakho siyakuba sesijingweni sezitha zakho; amadodana kayihlo ayakukukhothamela.

9 Judá é leãozinho; da presa subiste, filho meu. Encurva-se e deita-se como leão e como leoa; quem o despertará?

9 UJuda uyibhongo lengonyama. Wenyuke empangweni, ndodana yami. Uguqile, ulele njengengonyama nanjengengonyamakazi; ngubani oyakumvusa na?

10 O cetro não se arredará de Judá, nem o bastão de entre seus pés, até que venha Siló; e a ele obedecerão os povos.

10 Intonga yobukhosi ayiyikusuka kuJuda, nozime lokubusa phakathi kwezinyawo zakhe, aze afike yena olufanele lona; nezizwe ziyakumlalela.

11 Ele amarrará o seu jumentinho à vide e o filho da sua jumenta, à videira mais excelente; lavará as suas vestes no vinho e a sua capa, em sangue de uvas.

11Ubopha ithole lembongolo yakhe emvinini, ithole lembongolokazi yakhe emvinini omuhle; uhlanza izingubo zakhe ewayinini, nezambatho zakhe egazini lezithelo zomvini.

12 Os seus olhos serão cintilantes de vinho, e os dentes, brancos de leite.

12Amehlo akhe ayaklwela iwayini, amazinyo akhe amhlophe ubisi.

13 Zebulom habitará na praia dos mares e servirá de porto de navios, e o seu limite se estenderá até Sidom.

13 UZebuloni uyakwakha ngasogwini lolwandle, abe sosebeni lwemikhumbi; umkhawulo wakhe uzakuba ngaseSidoni.

14 Issacar é jumento de fortes ossos, de repouso entre os rebanhos de ovelhas.

14 U-Isakare uyimbongolo enamandla, elala phakathi kwezibaya.

15 Viu que o repouso era bom e que a terra era deliciosa; baixou os ombros à carga e sujeitou-se ao trabalho servil.

15Wabona indawo yakuphumula ukuthi inhle, nezwe ukuthi limnandi; wafolisa ihlombe ukuba athwale, waba yinceku yempoqo.

16 Dã julgará o seu povo, como uma das tribos de Israel.

16 UDani uyakuthetha amacala abantu bakhe, njengesinye sezizwe zakwa-Israyeli.

17 Dã será serpente junto ao caminho, uma víbora junto à vereda, que morde os

17UDani uyakuba yinyoka endleleni, inhlangwana emkhondweni eluma

talões do cavalo e faz cair o seu cavaleiro por detrás.

18 A tua salvação espero, ó SENHOR!

19 Gade, uma guerrilha o acometerá; mas ele a acometerá por sua retaguarda.

20 Aser, o seu pão será abundante e ele motivará delícias reais.

21 Naftali é uma gazela solta; ele profere palavras formosas.

22 José é um ramo frutífero, ramo frutífero junto à fonte; seus galhos se estendem sobre o muro.

23 Os flecheiros lhe dão amargura, atiram contra ele e o aborrecem.

24 O seu arco, porém, permanece firme, e os seus braços são feitos ativos pelas mãos do Poderoso de Jacó, sim, pelo Pastor e pela Pedra de Israel,

25 pelo Deus de teu pai, o qual te ajudará, e pelo Todo-Poderoso, o qual te abençoará com bênçãos dos altos céus, com bênçãos das profundezas, com bênçãos dos seios e da madre.

26 As bênçãos de teu pai excederão as bênçãos de meus pais até ao cimo dos montes eternos; estejam elas sobre a cabeça de José e sobre o alto da cabeça do que foi distinguido entre seus irmãos.

27 Benjamim é lobo que despedaça; pela manhã devora a presa e à tarde reparte o despojo.

28 São estas as doze tribos de Israel; e isto é o que lhes falou seu pai quando os

izithende zehhashi, awe nyovane olikhweleyo.

18 Ngiyihalele insindiso yakho, Jehova.

19 UGadi, iviyo liyakumcindezela, kepha yena uyakucindezela isithende salo.

20 Ku-Asheri kuvela amanoni abe ngukudla kwakhe; uyakuveza isilovela samakhosi.

21 UNafetali uyindluzelekazi ethukululekileyo; uveza amazwi amnandi.

22 UJosefa uyingatsha entsha ethelayo, ingatsha ethela ngasemthonjeni; amagatsha akhe akhwela odongeni.

23 Abacibishelayo bayamkhathaza, bayamdubula, bayamzingela;

24 kepha umnsalo wakhe uhlala uqinile; amandla ezandla zakhe aqiniswa ngezandla zoMninimandla kaJakobe, okuvela kuye uMalusi netshe lika-Israyeli,

25 ngoNkulunkulu kayihlo ozakukusiza, ngoSomandla ozakukubusisa ngezibusiso zasezulwini phezulu, nangezibusiso zasotweni olukhona phansi, nangezibusiso zamabele nezesizalo.

26 Izibusiso zikayihlo zinamandla kunezibusiso zawokhokho bami, kuze kube semkhawulweni wokugcina wezintaba ezimiyo; ziyakuba phezu kwekhanda likaJosefa phakade, nasokhakhayini lwakhe owahlukaniswa nabafowabo.

27 UBenjamini uyimpisi ehomfuzayo; ekuseni uyadla impango, kusihlwa uyahlukanisa akuphangileyo.

28 Bonke labo bayizizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli; yilokhu uyise akukhuluma

abençoou; a cada um deles abençoou segundo a bênção que lhe cabia.

29 Depois, lhes ordenou, dizendo: Eu me reúno ao meu povo; sepultai-me, com meus pais, na caverna que está no campo de Efrom, o heteu,

30 na caverna que está no campo de Macpela, fronteiro a Manre, na terra de Canaã, a qual Abraão comprou de Efrom com aquele campo, em posse de sepultura.

31 Ali sepultaram Abraão e Sara, sua mulher; ali sepultaram Isaque e Rebeca, sua mulher; e ali sepultei Lia;

32 o campo e a caverna que nele está, comprados aos filhos de Hete.

33 Tendo Jacó acabado de dar determinações a seus filhos, recolheu os pés na cama, e expirou, e foi reunido ao seu povo.

Gênesis 50

A lamentação por Jacó e o seu enterro

1 Então, José se lançou sobre o rosto de seu pai, e chorou sobre ele, e o beijou.

2 Ordenou José a seus servos, aos que eram médicos, que embalsamassem a seu pai; e os médicos embalsamaram a Israel,

3 gastando nisso quarenta dias, pois assim se cumprem os dias do embalsamamento; e os egípcios o choraram setenta dias.

kubo, wababusisa; wababusisa, kwaba yilowo ngokwesibusiso sakhe.

29Wabayala, wathi kubo: Mina sengiyakubuthelwa kubantu bami; ngimbeleni kobaba emhumeni osensimini ka-Efroni umHeti,

30umhume osensimini yaseMakaphela eliphambi kweMamre ezweni laseKhanani, awuthenga u-Abrahama kanye nensimu ku-Efroni umHeti, ube yindawo yakhe yokumbela;

31 lapho bembela o-Abrahama noSara umkakhe; lapho bembela o-Isaka noRebeka umkakhe; lapho ngembela uLeya;

32insimu nomhume okuyo okwathengwa kubantwana bakwaHeti.

33UJakobe eseqedile ukuyala amadodana akhe waqoqela izinyawo zakhe embhedeni, wagqibuka, wabuthelwa kubantu bakhe.

UGenesise 50

Ukumbelwa kukaJakobe

1 UJosefa wawa ebusweni bukayise, wakhala phezu kwakhe, wamanga.

2UJosefa wayala izinceku zakhe izinyanga ukuba zimgqumise uyise ngemithi; izinyanga zamgqumisa-ke u-Israyeli ngemithi.

3Zaphelela izinsuku zakhe ezingamashumi amane, ngokuba ziphelela kanjalo izinsuku zokugqumisa ngemithi; abaseGibithe bamkhalela izinsuku ezingamashumi ayisikhombisa.

[4] Passados os dias de o chorarem, falou José à casa de Faraó: Se agora achei mercê perante vós, rogo-vos que faleis aos ouvidos de Faraó, dizendo:

[5] Meu pai me fez jurar, declarando: Eis que eu morro; no meu sepulcro que abri para mim na terra de Canaã, ali me sepultarás. Agora, pois, desejo subir e sepultar meu pai, depois voltarei.

[6] Respondeu Faraó: Sobe e sepulta o teu pai como ele te fez jurar.

[7] José subiu para sepultar o seu pai; e subiram com ele todos os oficiais de Faraó, os principais da sua casa e todos os principais da terra do Egito,

[8] como também toda a casa de José, e seus irmãos, e a casa de seu pai; somente deixaram na terra de Gósen as crianças, e os rebanhos, e o gado.

[9] E subiram também com ele tanto carros como cavaleiros; e o cortejo foi grandíssimo.

[10] Chegando eles, pois, à eira de Atade, que está além do Jordão, fizeram ali grande e intensa lamentação; e José pranteou seu pai durante sete dias.

[11] Tendo visto os moradores da terra, os cananeus, o luto na eira de Atade, disseram: Grande pranto é este dos egípcios. E por isso se chamou aquele lugar de Abel-Mizraim, que está além do Jordão.

[4]Sezidlulile izinsuku zokumkhalela, uJosefa wakhuluma kuyo indlu kaFaro, wathi: Uma ngifumene umusa emehlweni enu, ake nikhulume ezindlebeni zikaFaro ngokuthi

[5] ubaba wangifungisa wathi: Bheka, ngiyafa; ethuneni engizimbele lona ezweni laseKhanani uzakungingcwaba kulo. Ngalokho ake ngikhuphuke, ngimmbele ubaba, bese ngibuya.

[6]Wayesethi uFaro: Khuphuka, ummbele uyihlo njengokukufungisa kwakhe.

[7]Khona uJosefa wakhuphuka ukuyommbela uyise; zakhuphuka naye zonke izinceku zikaFaro, nezikhulu zendlu yakhe, nezikhulu zonke zezwe laseGibithe,

[8]nendlu yonke kaJosefa, nabafowabo, nendlu kayise; bashiya ezweni laseGosheni izingane zabo, nezimvu zabo, nezinkomo zabo kuphela.

[9]Kwakhuphuka nabo nezinqola, nabamahhashi; kwaba yibandla elikhulu impela.

[10]Baya, bafika eGoreni Hathadi elingaphesheya kweJordani; lapho bakhala nokukhala impela, okunzima kakhulu; wamenzela uyise isililo izinsuku eziyisikhombisa.

[11]Abakhileyo ezweni, amaKhanani, sebebone isililo eGoreni Hathadi bathi: Lokhu kuyisililo esinzima sabaseGibithe. Ngalokho igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi i-Abela Misirayimi elingaphesheya kweJordani.

[12] Fizeram-lhe seus filhos como lhes havia ordenado:

[13] levaram-no para a terra de Canaã e o sepultaram na caverna do campo de Macpela, que Abraão comprara com o campo, por posse de sepultura, a Efrom, o heteu, fronteiro a Manre.

[14] Depois disso, voltou José para o Egito, ele, seus irmãos e todos os que com ele subiram a sepultar o seu pai.

A magnanimidade de José para com seus irmãos

[15] Vendo os irmãos de José que seu pai já era morto, disseram: É o caso de José nos perseguir e nos retribuir certamente o mal todo que lhe fizemos.

[16] Portanto, mandaram dizer a José: Teu pai ordenou, antes da sua morte, dizendo:

[17] Assim direis a José: Perdoa, pois, a transgressão de teus irmãos e o seu pecado, porque te fizeram mal; agora, pois, te rogamos que perdoes a transgressão dos servos do Deus de teu pai. José chorou enquanto lhe falavam.

[18] Depois, vieram também seus irmãos, prostraram-se diante dele e disseram: Eis-nos aqui por teus servos.

[19] Respondeu-lhes José: Não temais; acaso, estou eu em lugar de Deus?

[20] Vós, na verdade, intentastes o mal contra mim; porém Deus o tornou em

[12]Amadodana akhe amenzela njengalokho ewayalile;

[13] ngokuba amadodana akhe amyisa ezweni laseKhanani, ammbela emhumeni wasensimini yaseMakaphela, u-Abrahama awuthenga kanye nensimu ku-Efroni umHeti, ube yindawo yokumbela, ngaphambi kweMamre.

[14]UJosefa wayesebuyela eGibithe, yena nabafowabo, nabo bonke ababekhuphuke naye ukummbela uyise, emva kokungcwaba kwakhe uyise.

[15]Sebebonile abafowabo bakaJosefa ukuthi uyise ufile, bathi: Mhlawumbe uJosefa uzakusizonda, asiphindisele nokusiphindisela konke okubi esakwenza kuyena.

[16]Base bethumela kuJosefa, bethi: Uyihlo wayala engakafi, wathi:

[17] Niyakusho kuJosefa ukuthi: Ake uthethelele abafowenu isiphambeko sabo nesono sabo, ngokuba bakwenzela okubi. Manje siyakucela ukuthi: Ake uthethelele isiphambeko sezinceku zikaNkulunkulu kayihlo. UJosefa wakhala, besakhuluma kuye.

[18] Base befika nabafowabo, bawa phansi ebusweni bakhe, bathi: Bheka, siyizinceku zakho.

[19]UJosefa wayesethi kubo: Ningesabi; kanti ngisesikhundleni sikaNkulunkulu na?

[20] Yebo, nina nangisongozela okubi, kepha uNkulunkulu wakuceba kwaba kuhle

bem, para fazer, como vedes agora, que se conserve muita gente em vida.

21 Não temais, pois; eu vos sustentarei a vós outros e a vossos filhos. Assim, os consolou e lhes falou ao coração.

22 José habitou no Egito, ele e a casa de seu pai; e viveu cento e dez anos.

A morte de José

23 Viu José os filhos de Efraim até à terceira geração; também os filhos de Maquir, filho de Manassés, os quais José tomou sobre seus joelhos.

24 Disse José a seus irmãos: Eu morro; porém Deus certamente vos visitará e vos fará subir desta terra para a terra que jurou dar a Abraão, a Isaque e a Jacó.

25 José fez jurar os filhos de Israel, dizendo: Certamente Deus vos visitará, e fareis transportar os meus ossos daqui.

26 Morreu José da idade de cento e dez anos; embalsamaram-no e o puseram num caixão no Egito.

ukuba akwenze kube njenganamuhla, asindise abantu abaningi.

21Ngalokho ningesabi; mina ngiyakunondla, nina nezingane zenu. Wabaduduza, wakhuluma kuzo izinhliziyo zabo.

Ukufa kukaJosefa

22UJosefa wahlala eGibithe, yena nendlu kayise; uJosefa wahamba iminyaka eyikhulu neshumi.

23UJosefa wabona abantwana bakwa-Efrayimi besizukulwane sesithathu; nabantwana bakwaMakiri indodana kaManase bazalelwa emathangeni kaJosefa.

24 Wayesethi uJosefa kubafowabo: Mina sengiyafa, kepha uNkulunkulu uzakunihambela nokunihambela, anikhuphule kuleli zwe, aniyise ezweni alifungela o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

25 UJosefa wayesefungisa amadodana ka-Israyeli, ethi: UNkulunkulu uzakunihambela nokunihambela, nina nikhuphule amathambo ami lapha.

26Wayesefa uJosefa eneminyaka eyikhulu neshumi; bamgqumisa ngemithi, wafakwa ebhokisini eGibithe.

O segundo livro de Moisés chamado Êxodo

Êxodo 1

Os descendentes de Jacó no Egito

[1] São estes os nomes dos filhos de Israel que entraram com Jacó no Egito; cada um entrou com sua família:

[2] Rúben, Simeão, Levi e Judá,

[3] Issacar, Zebulom e Benjamim,

[4] Dã, Naftali, Gade e Aser.

[5] Todas as pessoas, pois, que descenderam de Jacó foram setenta; José, porém, estava no Egito.

[6] Faleceu José, e todos os seus irmãos, e toda aquela geração.

[7] Mas os filhos de Israel foram fecundos, e aumentaram muito, e se multiplicaram, e grandemente se fortaleceram, de maneira que a terra se encheu deles.

[8] Entrementes, se levantou novo rei sobre o Egito, que não conhecera a José.

[9] Ele disse ao seu povo: Eis que o povo dos filhos de Israel é mais numeroso e mais forte do que nós.

[10] Eia, usemos de astúcia para com ele, para que não se multiplique, e seja o caso que, vindo guerra, ele se ajunte com os nossos inimigos, peleje contra nós e saia da terra.

[11] E os egípcios puseram sobre eles feitores de obras, para os afligirem com suas cargas. E os israelitas edificaram a Faraó as cidades-celeiros, Pitom e Ramessés.

U-Eksodusi

U-Eksodusi 1

[1] Lawa angamagama amadodana ka-Israyeli afika eGibithe noJakobe; yileyo naleyo yafika nomuzi wayo:

[2]ngoRubeni, noSimeyoni, noLevi, noJuda,

[3]no-Isakare, noZebuloni, noBenjamini,

[4]noDani, noNafetali, noGadi, no-Asheri.

[5] Bonke abantu abaphuma okhalweni lukaJakobe babe ngabantu abangamashumi ayisikhombisa; uJosefa wayeseGibithe.

[6]UJosefa wafa, nabo bonke abafowabo, naso sonke leso sizukulwane.

[7] Abantwana bakwa-Israyeli bazala, bachuma, banda, baba baningi; izwe lagcwala bona.

Abakwa-Israyeli baphenduka izigqila

[8]Kwavela inkosi entsha eGibithe eyayingamazi uJosefa.

[9]Yathi kubantu bayo: Bhekani, abantu babantwana bakwa-Israyeli baningi, futhi banamandla kunathi;

[10]masizihlakaniphele maqondana nabo, funa bande, kuze kuthi lapho kuphuma impi, bahlangane nezitha zethu, balwe nathi, bamuke ezweni.

[11]Kwase kubekwa phezu kwabo izinduna zokubasebenzisa ezabahlupha ngemithwalo yazo. Bamakhela uFaro imizi yokubekelela, iPitomu neRamsesi.

[12] Mas, quanto mais os afligiam, tanto mais se multiplicavam e tanto mais se espalhavam; de maneira que se inquietavam por causa dos filhos de Israel;
[13] então, os egípcios, com tirania, faziam servir os filhos de Israel

[14] e lhes fizeram amargar a vida com dura servidão, em barro, e em tijolos, e com todo o trabalho no campo; com todo o serviço em que na tirania os serviam.

As parteiras desobedecem a Faraó

[15] O rei do Egito ordenou às parteiras hebréias, das quais uma se chamava Sifrá, e outra, Puá,

[16] dizendo: Quando servirdes de parteira às hebréias, examinai: se for filho, matai-o; mas, se for filha, que viva.

[17] As parteiras, porém, temeram a Deus e não fizeram como lhes ordenara o rei do Egito; antes, deixaram viver os meninos.

[18] Então, o rei do Egito chamou as parteiras e lhes disse: Por que fizestes isso e deixastes viver os meninos?
[19] Responderam as parteiras a Faraó: É que as mulheres hebréias não são como as egípcias; são vigorosas e, antes que lhes chegue a parteira, já deram à luz os seus filhos.

[20] E Deus fez bem às parteiras; e o povo aumentou e se tornou muito forte.

[12]Kepha ngokubahlupha kwazo kwaba yikhona banda, basabalala; baba novalo ngabantwana bakwa-Israyeli.

[13] AbaseGibithe babakhonzisa abantwana bakwa-Israyeli ngamandla.
[14]Benza ukuphila kwabo kwaba munyu ngemisebenzi esindayo odakeni nasezitinini, nangemisebenzi yonke yasendle, yebo, yonke imisebenzi yabo ababebakhonzisa ngayo.

[15]Inkosi yaseGibithe yakhuluma kubabelethisi bamaHeberukazi, igama lomunye wabo linguShifira, elomunye linguPhuwa,
[16]yathi: Nxa nibelethisa amaHeberukazi, niwabona esesihlalweni sokubeletha, uma kuyindodana, anoyibulala, kepha uma kuyindodakazi, izakuphila.
[17]Kodwa ababelethisi babemesaba uNkulunkulu, abenzanga njengalokho yasho kubo inkosi yaseGibithe, babasindisa abafana.
[18]Inkosi yaseGibithe yayisibiza ababelethisi, yathi kubo: Nenzeleni lokhu, nasindisa abafana, na?

[19]Ababelethisi bathi kuFaro: Kungokuba amaHeberukazi engenjengabaseGibithe; anamandla, abeletha, engakafiki umbelethisi kuwo.

[20]UNkulunkulu wabenzela ababelethisi okuhle; abantu banda, baba baningi kakhulu.

[21] E, porque as parteiras temeram a Deus, ele lhes constituiu família.

[22] Então, ordenou Faraó a todo o seu povo, dizendo: A todos os filhos que nascerem aos hebreus lançareis no Nilo, mas a todas as filhas deixareis viver.

Êxodo 2

Nascimento e educação de Moisés

[1] Foi-se um homem da casa de Levi e casou com uma descendente de Levi.

[2] E a mulher concebeu e deu à luz um filho; e, vendo que era formoso, escondeu-o por três meses.

[3] Não podendo, porém, escondê-lo por mais tempo, tomou um cesto de junco, calafetou-o com betume e piche e, pondo nele o menino, largou-o no carriçal à beira do rio.

[4] A irmã do menino ficou de longe, para observar o que lhe haveria de suceder.

[5] Desceu a filha de Faraó para se banhar no rio, e as suas donzelas passeavam pela beira do rio; vendo ela o cesto no carriçal, enviou a sua criada e o tomou.

[6] Abrindo-o, viu a criança; e eis que o menino chorava. Teve compaixão dele e disse: Este é menino dos hebreus.

[7] Então, disse sua irmã à filha de Faraó: Queres que eu vá chamar uma das hebréias que sirva de ama e te crie a criança?

[21]Kwathi ngokuba ababelethisi bamesaba uNkulunkulu, wabavusela imizi.

[22]UFaro wayesebayala abantu bakhe bonke, ethi: Bonke abafana abazalwayo anobaphonsa emfuleni, kepha amantombazana niwasindise onke.

U-Eksodusi 2

Ukuzalwa nokukhuliswa kukaMose

[1] Kwasuka umuntu wendlu kaLevi, wathatha indodakazi kaLevi.

[2]Wakhulelwa lowo mfazi, wazala indodana; esebonile ukuthi inhle, wayithukusa izinyanga ezintathu.

[3]Engasenakuyithukusa wayithathela ibhokisi lebungu, walihuqa ngebitume nangekolitayi, wamfaka umfana kulo, walibeka emhlangeni ngasogwini lomfula.

[4]Udadewabo wayemi kudana, ukuze azi ukuthi kuyakwenziwani kuye.

[5]Kwase kwehla indodakazi kaFaro ukuyogeza emfuleni; amantombazana ayo ahamba eceleni komfula; ibona ibhokisi emhlangeni yathuma intombazana ukulilanda.

[6]Yalivula, yabona umntwana; bheka, kwakungumfana; wakhala. Yamhawukela, yathi: Lona ungowabantwana bamaHeberu.

[7]Udadewabo wayesethi kuyo indodakazi kaFaro: Ngihambe ngikubizele umzanyana kuwo amaHeberu ukuba akuncelisele ingane na?

[8] Respondeu-lhe a filha de Faraó: Vai. Saiu, pois, a moça e chamou a mãe do menino.
[9] Então, lhe disse a filha de Faraó: Leva este menino e cria-mo; pagar-te-ei o teu salário. A mulher tomou o menino e o criou.
[10] Sendo o menino já grande, ela o trouxe à filha de Faraó, da qual passou ele a ser filho. Esta lhe chamou Moisés e disse: Porque das águas o tirei.

Moisés mata um egípcio e foge para Midiã

[11] Naqueles dias, sendo Moisés já homem, saiu a seus irmãos e viu os seus labores penosos; e viu que certo egípcio espancava um hebreu, um do seu povo.

[12] Olhou de um e de outro lado, e, vendo que não havia ali ninguém, matou o egípcio, e o escondeu na areia.

[13] Saiu no dia seguinte, e eis que dois hebreus estavam brigando; e disse ao culpado: Por que espancas o teu próximo?

[14] O qual respondeu: Quem te pôs por príncipe e juiz sobre nós? Pensas matar-me, como mataste o egípcio? Temeu, pois, Moisés e disse: Com certeza o descobriram.

[15] Informado desse caso, procurou Faraó matar a Moisés; porém Moisés fugiu da presença de Faraó e se deteve na terra de Midiã; e assentou-se junto a um poço.

[8]Indodakazi kaFaro yathi kuye: Hamba. Yasuka intombazana, yabiza unina wengane.
[9]Indodakazi kaFaro yathi kuye: Hamba nalo mntwana, ungincelisele yena; ngizakukukhokhela. Owesifazane wamthatha-ke umntwana, wamncelisa.
[10]Umfana wakhula, wayiswa kuyo indodakazi kaFaro, waba yindodana yayo. Yamqamba igama lokuthi uMose, ithi: Ngokuba ngamkhipha emanzini.

Ukubaleka kukaMose

[11] Kwathi ngalezo zinsuku uMose esekhulile, waphuma, waya kubafowabo, wabuka imithwalo yabo; wabona owaseGibithe eshaya umHeberu, omunye wabafowabo.
[12]Waphendukela ngalapha nangalapha; esebonile ukuthi akukho muntu, wambulala owaseGibithe, wamthukusa esihlabathini.
[13]Waphuma nangosuku olulandelayo; bheka, nanko amadoda amabili amaHeberu exabene; wathi kowonileyo: Umshayelani owakini na?
[14]Wathi yena: Ngubani okumise induna nomahluleli phezu kwethu na? Ufuna ukungibulala mina, njengalokho ubulele owaseGibithe, na? UMose wayesesaba, ethi: Impela le ndaba iyazeka.
[15]UFaro esekuzwile lokho wafuna ukumbulala uMose. Kepha uMose wabaleka ebusweni bukaFaro, wahlala ezweni lakwaMidiyani; wahlala phansi ngasemthonjeni.

[16] O sacerdote de Midiã tinha sete filhas, as quais vieram a tirar água e encheram os bebedouros para dar de beber ao rebanho de seu pai.

[17] Então, vieram os pastores e as enxotaram dali; Moisés, porém, se levantou, e as defendeu, e deu de beber ao rebanho.

[18] Tendo elas voltado a Reuel, seu pai, este lhes perguntou: Por que viestes, hoje, mais cedo?

[19] Responderam elas: Um egípcio nos livrou das mãos dos pastores, e ainda nos tirou água, e deu de beber ao rebanho.

[20] E onde está ele?, disse às filhas; por que deixastes lá o homem? Chamai-o para que coma pão.

[21] Moisés consentiu em morar com aquele homem; e ele deu a Moisés sua filha Zípora,

[22] a qual deu à luz um filho, a quem ele chamou Gérson, porque disse: Sou peregrino em terra estranha.

A morte do rei do Egito

[23] Decorridos muitos dias, morreu o rei do Egito; os filhos de Israel gemiam sob a servidão e por causa dela clamaram, e o seu clamor subiu a Deus.

[24] Ouvindo Deus o seu gemido, lembrou-se da sua aliança com Abraão, com Isaque e com Jacó.

[25] E viu Deus os filhos de Israel e atentou para a sua condição.

[16]UMpristi wakwaMidiyani wayenamadodakazi ayisikhombisa; afika ukukha amanzi, agcwalisa imiqengqe eyophuzisa izimvu zikayise.

[17]Kwafika abelusi, bawaxosha. Kepha wayesesukuma uMose, wawasiza, waphuzisa izimvu zawo.

[18]Lapho esefika kuRehuweli uyise, wathi yena: Yini ukuba nisheshe nibuye namuhla na?

[19]Athi: OwaseGibithe usophulile esandleni sabelusi, futhi wasikhelela amanzi, waphuzisa izimvu.

[20]Wathi kuwo amadodakazi akhe: Uphi yena? Nimshiyeleni na? Mbizeni, eze ukuzokudla.

[21]UMose wazimisela ukuhlala kulowo muntu; wamupha uMose uSipora indodakazi yakhe.

[22] Wazala indodana, wayiqamba igama lokuthi uGereshomu, ngokuba wathi: Ngangingumfokazi ezweni elingesilo elami.

[23] Kwathi sekudlulile izinsuku eziningi, inkosi yaseGibithe yafa; abakwa-Israyeli babubula ngenxa yobugqila, bakhala; ukukhala kwabo kwenyukela kuNkulunkulu ngobugqila babo.

[24]UNkulunkulu wezwa ukububula kwabo; uNkulunkulu wakhumbula isivumelwano sakhe no-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

[25]UNkulunkulu wabona abantwana bakwa-Israyeli, wabanakekela.

Êxodo 3

Deus fala com Moisés do meio da sarça ardente

[1] Apascentava Moisés o rebanho de Jetro, seu sogro, sacerdote de Midiã; e, levando o rebanho para o lado ocidental do deserto, chegou ao monte de Deus, a Horebe.

[2] Apareceu-lhe o Anjo do SENHOR numa chama de fogo, no meio de uma sarça; Moisés olhou, e eis que a sarça ardia no fogo e a sarça não se consumia.

[3] Então, disse consigo mesmo: Irei para lá e verei essa grande maravilha; por que a sarça não se queima?

[4] Vendo o SENHOR que ele se voltava para ver, Deus, do meio da sarça, o chamou e disse: Moisés! Moisés! Ele respondeu: Eis-me aqui!

[5] Deus continuou: Não te chegues para cá; tira as sandálias dos pés, porque o lugar em que estás é terra santa.

[6] Disse mais: Eu sou o Deus de teu pai, o Deus de Abraão, o Deus de Isaque e o Deus de Jacó. Moisés escondeu o rosto, porque temeu olhar para Deus.

[7] Disse ainda o SENHOR: Certamente, vi a aflição do meu povo, que está no Egito, e ouvi o seu clamor por causa dos seus exatores. Conheço-lhe o sofrimento;

U-Eksodusi 3

UNkulunkulu uzibonakalisa esihlahleni esivuthayo

[1]UMose wayalusa izimvu zikaJetiro umukhwe wakhe, umpristi wakwaMidiyani; waziqhuba izimvu, waya ngaphambili kwehlane, waze wafika entabeni kaNkulunkulu iHorebe.

[2] Kwabonakala kuye ingelosi kaJehova elangabini lomlilo livela phakathi kwesihlahla; wabuka, bheka, isihlahla savutha umlilo, kepha isihlahla asiphelanga nokho.

[3]Wayesethi uMose: Mangiphambuke, ngiye ngibone lesi sibonakaliso esikhulu ukuba isihlahla asishi ngani.

[4]UNkulunkulu esebona ukuthi uyaphambuka ukuyobuka, uNkulunkulu wambiza ephakathi kwesihlahla, wathi: Mose, Mose!

[5] Wathi: Ngilapha. Wayesethi: Ungasondeli lapha; khumula izicathulo zakho ezinyaweni zakho, ngokuba indawo omi kuyo ingumhlabathi ongcwele.

[6] Wathi: NginguNkulunkulu kayihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe; uMose wasitha ubuso bakhe, ngokuba wesaba ukumbheka uNkulunkulu.

[7]Wayesethi uJehova: Ngibonile nokubona ukuhlupheka kwabantu bami abaseGibithe; ngizwile ukukhala kwabo ngenxa yabacindezeli babo, ngokuba ngiyazazi izinsizi zabo;

[8] por isso, desci a fim de livrá-lo da mão dos egípcios e para fazê-lo subir daquela terra a uma terra boa e ampla, terra que mana leite e mel; o lugar do cananeu, do heteu, do amorreu, do ferezeu, do heveu e do jebuseu.

[9] Pois o clamor dos filhos de Israel chegou até mim, e também vejo a opressão com que os egípcios os estão oprimindo.

[10] Vem, agora, e eu te enviarei a Faraó, para que tires o meu povo, os filhos de Israel, do Egito.

[11] Então, disse Moisés a Deus: Quem sou eu para ir a Faraó e tirar do Egito os filhos de Israel?

[12] Deus lhe respondeu: Eu serei contigo; e este será o sinal de que eu te enviei: depois de haveres tirado o povo do Egito, servireis a Deus neste monte.

[13] Disse Moisés a Deus: Eis que, quando eu vier aos filhos de Israel e lhes disser: O Deus de vossos pais me enviou a vós outros; e eles me perguntarem: Qual é o seu nome? Que lhes direi?

[14] Disse Deus a Moisés: EU SOU O QUE SOU. Disse mais: Assim dirás aos filhos de Israel: EU SOU me enviou a vós outros.

[15] Disse Deus ainda mais a Moisés: Assim dirás aos filhos de Israel: O SENHOR, o

[8] ngehle ukuba ngibophule esandleni sabaseGibithe, ngibakhuphule kulelo zwe, ngibayise ezweni elihle elibanzi, izwe elichichima ubisi nezinyosi, indawo yamaKhanani, neyamaHeti, neyama-Amori, neyamaPherizi, neyamaHivi, neyamaJebusi.

[9]Bheka, manje ukukhala kwabantwana bakwa-Israyeli sekufike kimi; futhi ngikubonile ukucindezela abaseGibithe ababacindezela ngakho.

[10]Ngakho hamba, ngiyakukuthuma kuFaro ukuba ukhiphe eGibithe abantu bami, abantwana bakwa-Israyeli.

[11]UMose wayesethi kuNkulunkulu: Ngingubani mina ukuba ngiye kuFaro, ngikhiphe eGibithe abantwana bakwa-Israyeli na?

[12]Wathi: Ngizakuba nawe ngempela; lokhu kuyakuba luphawu kuwe ukuthi ngikuthumile; nxa ukhiphile isizwe eGibithe, niyakumkhonza uNkulunkulu kule ntaba.

[13]UMose wayesethi kuNkulunkulu: Bheka lapho ngifika kubantwana bakwa-Israyeli, ngithi kubo: UNkulunkulu wawoyihlo ungithumile kini, bese bethi kimi: Ngubani igama lakhe? ngizakuthini kubo na?

[14]UNkulunkulu wathi kuMose: Nginguye enginguye. Wathi: Uzakusho njalo kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: UNgikhona ungithumile.

[15]UNkulunkulu wathi futhi kuMose: Uzakusho njalo kubo abantwana bakwa-

Deus de vossos pais, o Deus de Abraão, o Deus de Isaque e o Deus de Jacó, me enviou a vós outros; este é o meu nome eternamente, e assim serei lembrado de geração em geração.

Israyeli, uthi: UJehova, uNkulunkulu wawoyihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, ungithumile kini. Yileli eliyigama lami kuze kube phakade, lesi siyisikhumbuzo sami ezizukulwaneni ngezizukulwane.

16 Vai, ajunta os anciãos de Israel e dize-lhes: O SENHOR, o Deus de vossos pais, o Deus de Abraão, o Deus de Isaque e o Deus de Jacó, me apareceu, dizendo: Em verdade vos tenho visitado e visto o que vos tem sido feito no Egito.

16 Hamba ubuthe amalunga akwa-Israyeli, uthi kuwo: UJehova, uNkulunkulu wawoyihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka nokaJakobe, ubonakele kimi, wathi: Nginihambele nokunihambela, ngibonile okwenziwa kini eGibithe.

17 Portanto, disse eu: Far-vos-ei subir da aflição do Egito para a terra do cananeu, do heteu, do amorreu, do ferezeu, do heveu e do jebuseu, para uma terra que mana leite e mel.

17Ngishilo ngathi: Ngiyakunikhuphula ekuhluphekeni kwaseGibithe, nginiyise ezweni lamaKhanani, nelamaHeti, nelama-Amori, nelamaPherizi, nelamaHivi, nelamaJebusi, izwe elichichima ubisi nezinyosi.

18 E ouvirão a tua voz; e irás, com os anciãos de Israel, ao rei do Egito e lhe dirás: O SENHOR, o Deus dos hebreus, nos encontrou. Agora, pois, deixa-nos ir caminho de três dias para o deserto, a fim de que sacrifiquemos ao SENHOR, nosso Deus.

18 Bayakulalela izwi lakho; uyakufika wena kanye namalunga akwa-Israyeli enkosini yaseGibithe, nithi kuyo: UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, uhlangene nathi; ake sihambe manje ibanga lezinsuku ezintathu, siye ehlane, sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu.

19 Eu sei, porém, que o rei do Egito não vos deixará ir se não for obrigado por mão forte.

19Kepha ngiyazi mina ukuthi inkosi yaseGibithe ayiyikuvuma ukuba nihambe, ngisho nangesandla esinamandla.

20 Portanto, estenderei a mão e ferirei o Egito com todos os meus prodígios que farei no meio dele; depois, vos deixará ir.

20Kodwa ngiyakwelula isandla sami, ngilishaye iGibithe ngezimangaliso engiyakuzenza phakathi kwalo, andukuba iniyeke.

[21] Eu darei mercê a este povo aos olhos dos egípcios; e, quando sairdes, não será de mãos vazias.

[22] Cada mulher pedirá à sua vizinha e à sua hóspeda jóias de prata, e jóias de ouro, e vestimentas; as quais poreis sobre vossos filhos e sobre vossas filhas; e despojareis os egípcios.

[21] Ngiyakunika lesi sizwe umusa emehlweni abaseGibithe, kuze kuthi lapho nisuka, aniyikuhamba ningaphethe lutho, [22]kepha yilowo nalowo wesifazane uyakucela kumakhelwane wakhe nakuye ogogobeleyo endlini yakhe izinto zesiliva nezinto zegolide, nezingubo; niyakuzifaka kumadodana enu nakumadodakazi enu, niphange abaseGibithe.

Êxodo 4

Deus concede poderes a Moisés

[1] Respondeu Moisés: Mas eis que não crerão, nem acudirão à minha voz, pois dirão: O SENHOR não te apareceu.

[2] Perguntou-lhe o SENHOR: Que é isso que tens na mão? Respondeu-lhe: Um bordão.
[3] Então, lhe disse: Lança-o na terra. Ele o lançou na terra, e o bordão virou uma serpente. E Moisés fugia dela.
[4] Disse o SENHOR a Moisés: Estende a mão e pega-lhe pela cauda (estendeu ele a mão, pegou-lhe pela cauda, e ela se tornou em bordão);

[5] para que creiam que te apareceu o SENHOR, Deus de seus pais, o Deus de Abraão, o Deus de Isaque e o Deus de Jacó.

[6] Disse-lhe mais o SENHOR: Mete, agora, a mão no peito. Ele o fez; e, tirando-a, eis que a mão estava leprosa, branca como a neve.

U-Eksodusi 4

UMose uphiwa amandla okwenza izimangaliso

[1]UMose waphendula wathi: Kepha bheka, abayikukholwa yimi, bangalaleli izwi lami, ngokuba bayakusho ukuthi: UJehova akabonakalanga kuwe.

[2]Wayesethi kuye uJehova: Kuyini lokhu okusesandleni sakho na? Wathi: Yinduku.
[3]Khona wathi: Yiphonse phansi. Wayeseyiphonsa phansi. Yaphenduka inyoka; uMose wayibalekela.
[4]Wayesethi uJehova kuMose: Yelula isandla sakho, uyibambe ngomsila. Wayeselula isandla sakhe, wayibamba; yaphenduka induku esandleni sakhe --
[5]ukuba bakholwe ukuthi uJehova, uNkulunkulu wawoyise, uNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, ubonakele kuwe.

[6]UJehova wathi futhi kuye: Faka isandla sakho esifubeni sakho. Wayesefaka isandla sakhe esifubeni sakhe; lapho esesikhipha, bheka, isandla sakhe sasinochoko, sinjengeqhwa.

[7] Disse ainda o SENHOR: Torna a meter a mão no peito. Ele a meteu no peito, novamente; e, quando a tirou, eis que se havia tornado como o restante de sua carne.

[8] Se eles te não crerem, nem atenderem à evidência do primeiro sinal, talvez crerão na evidência do segundo.

[9] Se nem ainda crerem mediante estes dois sinais, nem te ouvirem a voz, tomarás das águas do rio e as derramarás na terra seca; e as águas que do rio tomares tornar-se-ão em sangue sobre a terra.

[10] Então, disse Moisés ao SENHOR: Ah! SENHOR! Eu nunca fui eloqüente, nem outrora, nem depois que falaste a teu servo; pois sou pesado de boca e pesado de língua.

[11] Respondeu-lhe o SENHOR: Quem fez a boca do homem? Ou quem faz o mudo, ou o surdo, ou o que vê, ou o cego? Não sou eu, o SENHOR?

[12] Vai, pois, agora, e eu serei com a tua boca e te ensinarei o que hás de falar.

[13] Ele, porém, respondeu: Ah! SENHOR! Envia aquele que hás de enviar, menos a mim.

[14] Então, se acendeu a ira do SENHOR contra Moisés, e disse: Não é Arão, o levita, teu irmão? Eu sei que ele fala fluentemente; e eis que ele sai ao teu

[7]Wayesethi kuye: Buyisela isandla sakho esifubeni sakho. Wayesesibuyisela isandla sakhe esifubeni sakhe; kuthe esikhipha esifubeni sakhe, bheka, sase siphendukile, sinjengenyama yakhe.

[8] Kuyakuthi uma bengayikukholwa nguwe, bengalaleli izwi lesibonakaliso sokuqala, bayakukholwa yizwi lesibonakaliso sasemuva.

[9]Kuzakuthi-ke uma bengayikukholwa nayilezi zibonakaliso ezimbili, bengalaleli izwi lakho, uyakukha amanzi omfula, uwathele emhlabathini owomileyo; amanzi owakha emfuleni ayakuphenduka igazi emhlabathini owomileyo.

[10] UMose wayesethi kuJehova: Nkosi, angizange ngibe ngumuntu oyiqaphuqaphu, nakuqala namanje lapho usukhulumile encekwini yakho, ngokuba umlomo wami unzima, unamalimi.

[11] UJehova wayesethi kuye: Ngubani owenzile umlomo womuntu na? Ngubani owenza isimungulu, nesithulu, nobonayo, nempumputhe na? Akusimina, uJehova, na?

[12] Ngalokho hamba; ngizakuba nomlomo wakho, ngikufundise lokho ozakukukhuluma.

[13]Kepha wathi: O Nkosi, ake uthume ngesandla salowo ozakumthuma.

[14]Intukuthelo kaJehova yamvuthela uMose; wathi: Akakho umfowenu u-Aroni, umLevi, na? Ngiyazi ukuthi ukhuluma kahle yena. Futhi bheka, uyaphuma

encontro e, vendo-te, se alegrará em seu coração.

15 Tu, pois, lhe falarás e lhe porás na boca as palavras; eu serei com a tua boca e com a dele e vos ensinarei o que deveis fazer.

16 Ele falará por ti ao povo; ele te será por boca, e tu lhe serás por Deus.

17 Toma, pois, este bordão na mão, com o qual hás de fazer os sinais.

Moisés regressa ao Egito

18 Saindo Moisés, voltou para Jetro, seu sogro, e lhe disse: Deixa-me ir, voltar a meus irmãos que estão no Egito para ver se ainda vivem. Disse-lhe Jetro: Vai-te em paz.

19 Disse também o SENHOR a Moisés, em Midiã: Vai, torna para o Egito, porque são mortos todos os que procuravam tirar-te a vida.

20 Tomou, pois, Moisés a sua mulher e os seus filhos; fê-los montar num jumento e voltou para a terra do Egito. Moisés levava na mão o bordão de Deus.

21 Disse o SENHOR a Moisés: Quando voltares ao Egito, vê que faças diante de Faraó todos os milagres que te hei posto na mão; mas eu lhe endurecerei o coração, para que não deixe ir o povo.

ukukuhlangabeza; nalapho ekubona, uyakuthokoza enhliziyweni yakhe.

15 Uyakukhuluma kuye, ufake amazwi emlonyeni wakhe; ngizakuba nomlomo wakho nomlomo wakhe, nginifundise lokho eniyakukwenza.

16Uyakukukhulumela kubantu, abe ngumlomo kuwe, wena ube njengoNkulunkulu kuye.

17Uzakuphatha le nduku ngesandla sakho, oyakwenza izibonakaliso ngayo.

UMose ubuyela eGibithe

18Wayesehamba uMose, wabuyela kuJetiro umukhwe wakhe, wathi kuye: Ake ngihambe, ngibuyele kubafowethu abaseGibithe, ngize ngibone ukuthi basekhona yini. UJetiro wathi kuMose: Hamba nokuthula.

19UJehova wathi kuMose kwaMidiyani: Hamba ubuyele eGibithe, ngokuba sebafa abantu bonke abafuna ukukubulala.

20 UMose wayesethatha umkakhe namadodana akhe, wabakhwelisa embongolweni, wabuyela ezweni laseGibithe; uMose waphatha induku kaNkulunkulu ngesandla sakhe.

21UJehova wathi kuMose: Ekuhambeni kwakho usubuyela eGibithe bhekisisa ukuba wenze ebusweni bukaFaro zonke izimangaliso engizibeke esandleni sakho; kepha mina ngiyakuyenza lukhuni inhliziyo yakhe; akayikubayeka abantu ukuba bahambe.

[22] Dirás a Faraó: Assim diz o SENHOR: Israel é meu filho, meu primogênito.

[23] Digo-te, pois: deixa ir meu filho, para que me sirva; mas, se recusares deixá-lo ir, eis que eu matarei teu filho, teu primogênito.

[24] Estando Moisés no caminho, numa estalagem, encontrou-o o SENHOR e o quis matar.

[25] Então, Zípora tomou uma pedra aguda, cortou o prepúcio de seu filho, lançou-o aos pés de Moisés e lhe disse: Sem dúvida, tu és para mim esposo sanguinário.

[26] Assim, o SENHOR o deixou. Ela disse: Esposo sanguinário, por causa da circuncisão.

[27] Disse também o SENHOR a Arão: Vai ao deserto para te encontrares com Moisés. Ele foi e, encontrando-o no monte de Deus, o beijou.

[28] Relatou Moisés a Arão todas as palavras do SENHOR, com as quais o enviara, e todos os sinais que lhe mandara.

[29] Então, se foram Moisés e Arão e ajuntaram todos os anciãos dos filhos de Israel.

[30] Arão falou todas as palavras que o SENHOR tinha dito a Moisés, e este fez os sinais à vista do povo.

[31] E o povo creu; e, tendo ouvido que o SENHOR havia visitado os filhos de Israel e lhes vira a aflição, inclinaram-se e o adoraram.

Êxodo 5

[22] Uyakuthi kuFaro: Usho kanje uJehova, uthi: U-Israyeli uyindodana yami, uyizibulo lami.

[23]Ngiyakutshela: Yiyeke indodana yami ukuba ihambe ingikhonze, kepha awuyiyekanga; bheka, sengiyakubulala indodana yakho, izibulo lakho.

[24]Kwathi endleleni endlini yezihambi uJehova wahlangana naye, wafuna ukumbulala.

[25] USipora wayesethatha insengetsha, wanquma ijwabu lendodana yakhe, waliphonsa ngasezinyaweni zakhe, wathi: Impela ungumyeni wegazi kimi.

[26]Wamdedela-ke. Khona wathi: Ngumyeni wegazi ngenxa yokusoka.

[27]UJehova wayesethi ku-Aroni: Hamba umhlangabeze uMose ehlane. Wahamba, wahlangana naye entabeni kaNkulunkulu, wamanga.

[28]UMose wamtshela u-Aroni onke amazwi kaJehova amthume nawo, nezibonakaliso zonke amyale ngazo.

[29]OMose no-Aroni baya, babutha onke amalunga abantwana bakwa-Israyeli;

[30]u-Aroni wakhuluma onke amazwi uJehova awakhulume kuMose, wazenza izibonakaliso emehlweni abantu.

[31]Abantu bakholwa-ke. Sebezwile ukuthi uJehova ubahambele abantwana bakwa-Israyeli, nokuthi ukubonile ukuhlupheka kwabo, base bekhothama, bakhuleka.

U-Eksodusi 5

Moisés e Arão falam a Faraó

[1] Depois, foram Moisés e Arão e disseram a Faraó: Assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Deixa ir o meu povo, para que me celebre uma festa no deserto.

[2] Respondeu Faraó: Quem é o SENHOR para que lhe ouça eu a voz e deixe ir a Israel? Não conheço o SENHOR, nem tampouco deixarei ir a Israel.

[3] Eles prosseguiram: O Deus dos hebreus nos encontrou; deixa-nos ir, pois, caminho de três dias ao deserto, para que ofereçamos sacrifícios ao SENHOR, nosso Deus, e não venha ele sobre nós com pestilência ou com espada.

[4] Então, lhes disse o rei do Egito: Por que, Moisés e Arão, por que interrompeis o povo no seu trabalho? Ide às vossas tarefas.

[5] Disse também Faraó: O povo da terra já é muito, e vós o distraís das suas tarefas.

Faraó aflige os israelitas

[6] Naquele mesmo dia, pois, deu ordem Faraó aos superintendentes do povo e aos seus capatazes, dizendo:

[7] Daqui em diante não torneis a dar palha ao povo, para fazer tijolos, como antes; eles mesmos que vão e ajuntem para si a palha.

[8] E exigireis deles a mesma conta de tijolos que antes faziam; nada diminuireis dela; estão ociosos e, por isso, clamam: Vamos e sacrifiquemos ao nosso Deus.

OMose no-Aroni bephambi kukaFaro

[1]Ngasemuva oMose no-Aroni bafika, bathi kuFaro: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangenzele umkhosi ehlane.

[2]Wathi uFaro: Ngubani uJehova ukuba ngilalele izwi lakhe, ngimyeke u-Israyeli ukuba ahambe na? Angimazi uJehova, futhi angiyikumvumela u-Israyeli ukuba ahambe.

[3] Base bethi: UNkulunkulu wamaHeberu uhlangene nathi; ake sihambe ibanga lezinsuku ezintathu, siye ehlane, sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu, funa asehlele ngesifo nangenkemba.

[4]Inkosi yaseGibithe yathi kubo: Nibakhumulelani abantu emithwalweni yabo nina Mose no-Aroni na? Hambani, niye emisebenzini yenu.

[5]UFaro wathi: Bheka, abantu sebebaningi ezweni, nokho niyabaphumuza emithwalweni yabo.

[6]Ngalona lolo suku uFaro wayala abaphathi babantu nezinduna zabo, wathi:

[7] Anisayikubanika abantu utshani bokwenza izitini njengaphambili; mabahambe bazibuthele utshani.

[8]Kepha isilinganiso sezitini ekade besenza, bamiseleni sona, ningasinciphisi, ngokuba bayenqena; ngalokho bayakhala bathi: Masihambe sihlabele uNkulunkulu wethu.

[9] Agrave-se o serviço sobre esses homens, para que nele se apliquem e não dêem ouvidos a palavras mentirosas.	[9]Mayenziwe ibe nzima imisebenzi phezu kwabantu, bayisebenze, banganakekeli amazwi okukhohlisa.
[10] Então, saíram os superintendentes do povo e seus capatazes e falaram ao povo: Assim diz Faraó: Não vos darei palha.	[10]Baphuma-ke abaphathi babantu nezinduna zabo, bakhuluma kubantu, bathi: UFaro usho uthi: Angisayikuninika utshani.
[11] Ide vós mesmos e ajuntai palha onde a puderdes achar; porque nada se diminuirá do vosso trabalho.	[11]Hambani nina, nizifunele utshani, lapho ningabuthola khona, ngokuba imisebenzi yenu ayiyikuncishiswa ngalutho.
[12] Então, o povo se espalhou por toda a terra do Egito a ajuntar restolho em lugar de palha.	[12]Base behlakazeka abantu ezweni lonke laseGibithe ukuyobutha izinhlanga zibe yibona tshani babo.
[13] Os superintendentes os apertavam, dizendo: Acabai vossa obra, a tarefa do dia, como quando havia palha.	[13]Abaphathi babaqhuba, bathi: Qedani imisebenzi yenu, imisebenzi yemihla ngemihla, njengasezinsukwini kusekhona utshani.
[14] E foram açoitados os capatazes dos filhos de Israel, que os superintendentes de Faraó tinham posto sobre eles; e os superintendentes lhes diziam: Por que não acabastes nem ontem, nem hoje a vossa tarefa, fazendo tijolos como antes?	[14]Izinduna zabantwana bakwa-Israyeli abazibeke phezu kwabo abaphathi bakaFaro zashaywa, zabuzwa ukuthi: Aniqedanga ngani umsebenzi wenu izolo nanamuhla ukubumba izitini njengaphambili na?
Os israelitas queixam-se de Moisés e Arão	
[15] Então, foram os capatazes dos filhos de Israel e clamaram a Faraó, dizendo: Por que tratas assim a teus servos?	[15]Zase zifika izinduna zabantwana bakwa-Israyeli, zakhala kuFaro, zathi: Uziphathelani izinceku zakho kanje na?
[16] Palha não se dá a teus servos, e nos dizem: Fazei tijolos. Eis que teus servos são açoitados; porém o teu próprio povo é que tem a culpa.	[16]Izinceku zakho aziphiwanga tshani; nokho bathi kithi: Bumbani izitini. Futhi bheka, izinceku zakho ziyashaywa, kepha icala likubantu bakho.
[17] Mas ele respondeu: Estais ociosos, estais ociosos; por isso, dizeis: Vamos, sacrifiquemos ao SENHOR.	[17]Kepha wathi: Yinina enenqena, yebo, niyenqena; ngalokho nithi: Ake sihambe sihlabele uJehova.

[18] Ide, pois, agora, e trabalhai; palha, porém, não se vos dará; contudo, dareis a mesma quantidade de tijolos.

[18]Ngalokho hambani nisebenze, ngokuba aniyikuphiwa tshani, kepha isilinganiso sezitini niyakusiqeda.

[19] Então, os capatazes dos filhos de Israel se viram em aperto, porquanto se lhes dizia: Nada diminuireis dos vossos tijolos, da vossa tarefa diária.

[19]Izinduna zabantwana bakwa-Israyeli zabona ukuthi basekuhluphekeni, lapho kuthiwa: Aniyikunciphisa izitini zenu esilinganisweni semihla ngemihla.

[20] Quando saíram da presença de Faraó, encontraram Moisés e Arão, que estavam à espera deles;

[20]Zahlangana noMose no-Aroni ababemi khona ukuzihlangabeza zisaphuma kuFaro.

[21] e lhes disseram: Olhe o SENHOR para vós outros e vos julgue, porquanto nos fizestes odiosos aos olhos de Faraó e diante dos seus servos, dando-lhes a espada na mão para nos matar.

[21]Zathi kubo: UJehova makanibheke, ahlulele, ngokuba nilenzile iphunga lethu linuke kabi emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe, nibeke inkemba esandleni sabo ukuba basibulale.

[22] Então, Moisés, tornando-se ao SENHOR, disse: Ó SENHOR, por que afligiste este povo? Por que me enviaste?

[22]UMose wayesebuyela kuJehova, wathi: Nkosi, wenzeleni okubi kulaba bantu na? Ungithumeleni mina na?

[23] Pois, desde que me apresentei a Faraó, para falar-lhe em teu nome, ele tem maltratado este povo; e tu, de nenhuma sorte, livraste o teu povo.

[23]Selokhu ngafika kuFaro ukukhuluma egameni lakho, ubaphathe kabi laba bantu, nawe awubophulanga nakanci abantu bakho.

Êxodo 6

U-Eksodusi 6

Isithembiso sikaMose siyaphindwa

[1] Disse o SENHOR a Moisés: Agora, verás o que hei de fazer a Faraó; pois, por mão poderosa, os deixará ir e, por mão poderosa, os lançará fora da sua terra.

[1] UJehova wathi kuMose: Manje usuzakubona lokho engiyakukwenza kuFaro, ngokuba ngenxa yesandla esiqinileyo uyakubayeka ukuba bahambe, nangenxa yesandla esinamandla uyakubaxosha ezweni lakhe.

Deus promete livrar os israelitas

[2] Falou mais Deus a Moisés e lhe disse: Eu sou o SENHOR.

[2]UNkulunkulu wakhuluma kuMose, wathi kuye: NginguJehova;

[3] Apareci a Abraão, a Isaque e a Jacó como Deus Todo-Poderoso; mas pelo meu nome, O SENHOR, não lhes fui conhecido.

[4] Também estabeleci a minha aliança com eles, para dar-lhes a terra de Canaã, a terra em que habitaram como peregrinos.

[5] Ainda ouvi os gemidos dos filhos de Israel, os quais os egípcios escravizam, e me lembrei da minha aliança.

[6] Portanto, dize aos filhos de Israel: eu sou o SENHOR, e vos tirarei de debaixo das cargas do Egito, e vos livrarei da sua servidão, e vos resgatarei com braço estendido e com grandes manifestações de julgamento.

[7] Tomar-vos-ei por meu povo e serei vosso Deus; e sabereis que eu sou o SENHOR, vosso Deus, que vos tiro de debaixo das cargas do Egito.

[8] E vos levarei à terra a qual jurei dar a Abraão, a Isaque e a Jacó; e vo-la darei como possessão. Eu sou o SENHOR.

[9] Desse modo falou Moisés aos filhos de Israel, mas eles não atenderam a Moisés, por causa da ânsia de espírito e da dura escravidão.

[10] Falou mais o SENHOR a Moisés, dizendo:

[3]ngabonakala ku-Abrahama, naku-Isaka, nakuJakobe njengoSomandla, kepha ngegama lami lokuthi uJehova ngangingaziwa kubo.

[4]Futhi ngamisa isivumelwano sami nabo ukuyobanika izwe laseKhanani, izwe lokugogobala kwabo, lapho bebegogobala khona.

[5]Yebo, futhi ngizwile ukububula kwabantwana bakwa-Israyeli abenziwe izigqila ngabaseGibithe; ngiyakhumbula isivumelwano sami.

[6] Ngalokho yisho kubantwana bakwa-Israyeli ukuthi: NginguJehova; ngizakunikhipha emithwalweni yabaseGibithe, nginikhulule ebugqileni benu, nginihlenge ngengalo eyeluliweyo nangezahlulelo ezinkulu.

[7]Ngiyakunithatha nibe yisizwe sami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu; niyokwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu onikhipha emithwalweni yabaseGibithe.

[8] Ngiyakuningenisa ezweni engaphakamisa isandla sami ngalo ukulinika u-Abrahama, no-Isaka, noJakobe; ngiyakunipha lona libe yifa; nginguJehova.

[9]UMose wakhuluma-ke kanjalo kubo abantwana bakwa-Israyeli; kepha abamlalelanga uMose ngenxa yenhliziyo encane nemisebenzi esindayo.

[10]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[11] Vai ter com Faraó, rei do Egito, e fala-lhe que deixe sair de sua terra os filhos de Israel.

[12] Moisés, porém, respondeu ao SENHOR, dizendo: Eis que os filhos de Israel não me têm ouvido; como, pois, me ouvirá Faraó? E não sei falar bem.

[13] Não obstante, falou o SENHOR a Moisés e a Arão e lhes deu mandamento para os filhos de Israel e para Faraó, rei do Egito, a fim de que tirassem os filhos de Israel da terra do Egito.

Genealogias de Moisés e Arão

[14] São estes os chefes das famílias: os filhos de Rúben, o primogênito de Israel: Enoque, Palu, Hezrom e Carmi; são estas as famílias de Rúben.

[15] Os filhos de Simeão: Jemuel, Jamim, Oade, Jaquim, Zoar e Saul, filho de uma cananéia; são estas as famílias de Simeão.

[16] São estes os nomes dos filhos de Levi, segundo as suas gerações: Gérson, Coate e Merari; e os anos da vida de Levi foram cento e trinta e sete.

[17] Os filhos de Gérson: Libni e Simei, segundo as suas famílias.

[18] Os filhos de Coate: Anrão, Isar, Hebrom e Uziel; e os anos da vida de Coate foram cento e trinta e três.

[11] Ngena ukhulume kuFaro inkosi yaseGibithe ukuba ivumele abantwana bakwa-Israyeli ukuphuma ezweni lakhe.

[12] UMose wakhuluma ebusweni bukaJehova, wathi: Bheka, abantwana bakwa-Israyeli abangilalelanga; uFaro angangilalela kanjani, nginezindebe zomlomo ezingasokwanga, na?

[13]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni ukuba bayale abakwa-Israyeli noFaro inkosi yaseGibithe ukukhipha abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe.

Inzalo kaMose neka-Aroni

[14] Laba bayizinhloko zezindlu zawoyise: amadodana kaRubeni izibulo lika-Israyeli: ngoHanoki, noPhalu, noHesironi, noKarmi; yile imindeni kaRubeni.

[15]Amadodana kaSimeyoni: ngoJemuweli, noJamini, no-Ohade, noJakini, noSohari, noShawule indodana yowesifazane waseKhanani; yile imindeni kaSimeyoni.

[16] Lawa angamagama amadodana kaLevi ngezizukulwane zawo: ngoGereshoni, noKohati, noMerari; iminyaka yokuhamba kukaLevi yayiyiminyaka eyikhulu namashumi amathathu nesikhombisa.

[17]Amadodana kaGereshoni: ngoLibini noShimeyi ngemindeni yawo.

[18]Amadodana kaKohati: ngo-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli; iminyaka yokuhamba kukaKohati yayiyiminyaka eyikhulu namashumi amathathu nantathu.

[19] Os filhos de Merari: Mali e Musi; são estas as famílias de Levi, segundo as suas gerações.

[20] Anrão tomou por mulher a Joquebede, sua tia; e ela lhe deu a Arão e Moisés; e os anos da vida de Anrão foram cento e trinta e sete.

[21] Os filhos de Isar: Corá, Nefegue e Zicri.

[22] Os filhos de Uziel: Misael, Elzafã e Sitri.

[23] Arão tomou por mulher a Eliseba, filha de Aminadabe, irmã de Naassom; e ela lhe deu à luz Nadabe, Abiú, Eleazar e Itamar.

[24] Os filhos de Corá: Assir, Elcana e Abiasafe; são estas as famílias dos coraítas.

[25] Eleazar, filho de Arão, tomou por mulher, para si, uma das filhas de Putiel; e ela lhe deu à luz Finéias; são estes os chefes de suas casas, segundo as suas famílias.

[26] São estes Arão e Moisés, aos quais o SENHOR disse: Tirai os filhos de Israel da terra do Egito, segundo as suas hostes.

[27] São estes que falaram a Faraó, rei do Egito, a fim de tirarem do Egito os filhos de Israel; são estes Moisés e Arão.

Moisés fala novamente a Faraó

[28] No dia em que o SENHOR falou a Moisés na terra do Egito,

[19]Amadodana kaMerari: ngoMaheli noMushi; yile imindeni yamaLevi ngezizukulwane zayo.

[20]U-Amramu wazithathela uJokebedi udadewabo kayise, abe ngumkakhe; wamzalela o-Aroni noMose; iminyaka yokuhamba kuka-Amramu yayiyikhulu namashumi amathathu nesikhombisa.

[21]Amadodana kaJisihari: ngoKora, noNefegi, noZikiri.

[22]Amadodana ka-Uziyeli: ngoMishayeli, no-Elisafani, noSitri.

[23] U-Aroni wazithathela u-Elisheba indodakazi ka-Aminadaba, udadewabo kaNaheshoni, abe ngumkakhe; wamzalela oNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

[24]Amadodana kaKora: ngo-Asiri, no-Elkana, no-Abiyasafa; yile imindeni kaKora.

[25]U-Eleyazare indodana ka-Aroni wazithathela enye yamadodakazi kaPhuthiyeli, ibe ngumkakhe; yamzalela uFinehasi. Yilezi izinhloko zawoyise bamaLevi ngemindeni yawo.

[26]Yibo labo o-Aroni noMose uJehova athi kubo: Khiphani ezweni laseGibithe abantwana bakwa-Israyeli ngamabandla abo.

[27]Yibo labo ababekhuluma kuFaro inkosi yaseGibithe ukuba akhiphe abantwana bakwa-Israyeli eGibithe; yibo oMose no-Aroni.

[28]Kwathi mhla uJehova ekhuluma kuMose ezweni laseGibithe,

[29] disse o SENHOR a Moisés: Eu sou o SENHOR; dize a Faraó, rei do Egito, tudo o que eu te digo.

[30] Respondeu Moisés na presença do SENHOR: Eu não sei falar bem; como, pois, me ouvirá Faraó?

Êxodo 7

[1] Então, disse o SENHOR a Moisés: Vê que te constituí como Deus sobre Faraó, e Arão, teu irmão, será teu profeta.

[2] Tu falarás tudo o que eu te ordenar; e Arão, teu irmão, falará a Faraó, para que deixe ir da sua terra os filhos de Israel.

[3] Eu, porém, endurecerei o coração de Faraó e multiplicarei na terra do Egito os meus sinais e as minhas maravilhas.

[4] Faraó não vos ouvirá; e eu porei a mão sobre o Egito e farei sair as minhas hostes, o meu povo, os filhos de Israel, da terra do Egito, com grandes manifestações de julgamento.

[5] Saberão os egípcios que eu sou o SENHOR, quando estender eu a mão sobre o Egito e tirar do meio deles os filhos de Israel.

[6] Assim fez Moisés e Arão; como o SENHOR lhes ordenara, assim fizeram.

[7] Era Moisés de oitenta anos, e Arão, de oitenta e três, quando falaram a Faraó.

[29]uJehova washo kuMose, wathi: NginguJehova; khuluma kuFaro inkosi yaseGibithe konke engikukhuluma kuwe.

[30]Wayesethi uMose ebusweni bukaJehova: Bheka, ngingowezindebe zomlomo ezingasokiwe; uFaro angangilalela kanjani na?

U-Eksodusi 7

Isimangaliso senduku kaMose

[1] UJehova wathi kuMose: Bheka, ngikwenze ube njengonkulunkulu kuFaro; u-Aroni umfowenu uyakuba ngumprofethi wakho.

[2]Wena uyakukhuluma konke engikuyala ngakho; u-Aroni umfowenu uyakukhuluma kuFaro ukuba abavumele abantwana bakwa-Israyeli ukuphuma ezweni lakhe.

[3]Mina ngiyakuyenza inhliziyo kaFaro ibe lukhuni, ngandise izibonakaliso zami nezimangaliso zami ezweni laseGibithe.

[4]Kepha uFaro akayikunilalela; ngiyakubeka isandla sami phezu kweGibithe, ngikhiphe amabandla ami, isizwe sami, abantwana bakwa-Israyeli, ezweni laseGibithe ngezahlulelo ezinkulu.

[5]AbaseGibithe bayokwazi ukuthi nginguJehova, nxa ngelula isandla sami phezu kweGibithe, ngikhiphe abantwana bakwa-Israyeli phakathi kwabo.

[6]OMose no-Aroni benze njalo; njengalokho uJehova ebayalile, benze njalo-ke.

[7]UMose wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili, u-Aroni eneminyaka

[8] Falou o SENHOR a Moisés e a Arão:

[9] Quando Faraó vos disser: Fazei milagres que vos acreditem, dirás a Arão: Toma o teu bordão e lança-o diante de Faraó; e o bordão se tornará em serpente.

[10] Então, Moisés e Arão se chegaram a Faraó e fizeram como o SENHOR lhes ordenara; lançou Arão o seu bordão diante de Faraó e diante dos seus oficiais, e ele se tornou em serpente.

[11] Faraó, porém, mandou vir os sábios e encantadores; e eles, os sábios do Egito, fizeram também o mesmo com as suas ciências ocultas.

[12] Pois lançaram eles cada um o seu bordão, e eles se tornaram em serpentes; mas o bordão de Arão devorou os bordões deles.

[13] Todavia, o coração de Faraó se endureceu, e não os ouviu, como o SENHOR tinha dito.

Primeira praga: as águas tornam-se em sangue

[14] Disse o SENHOR a Moisés: O coração de Faraó está obstinado; recusa deixar ir o povo.

[15] Vai ter com Faraó pela manhã; ele sairá às águas; estarás à espera dele na beira do rio, tomarás na mão o bordão que se tornou em serpente

engamashumi ayisishiyagalombili nantathu, mhla bekhuluma kuFaro.

[8]UJehova wakhuluma koMose no-Aroni, wathi:

[9] Nxa uFaro ekhuluma kini, ethi: Zifakazeleni ngesimangaliso, uyakusho ku-Aroni ukuthi: Thatha induku yakho, uyiphonse phansi phambi kukaFaro, ukuze iphenduke inyoka.

[10]OMose no-Aroni bangena kuFaro, benza njengalokho uJehova ebayalile; u-Aroni waphonsa phansi induku yakhe phambi kukaFaro naphambi kwezinceku zakhe, yaphenduka inyoka.

[11] Khona uFaro wabiza izihlakaniphi nabalumbi; izanusi zaseGibithe nazo zenze njalo ngemilingo yazo.

[12]Ngokuba yilowo nalowo waphonsa phansi induku yakhe, zaphenduka izinyoka; kepha induku ka-Aroni yagwinya izinduku zabo.

[13]Inhliziyo kaFaro yaba lukhuni, kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

Izinhlupheko zaseGibithe
Eyokuqala: amanzi aphenduka igazi

[14]UJehova wayesethi kuMose: Inhliziyo kaFaro ilukhuni: uyenqaba ukuba abantu bahambe.

[15]Yana kuFaro kusasa ekuseni; bheka, uyaphuma ukuya emanzini; yima ogwini lomfula ukumhlangabeza; induku eyaphenduka inyoka woyiphatha ngesandla sakho.

[16] e lhe dirás: O SENHOR, o Deus dos hebreus, me enviou a ti para te dizer: Deixa ir o meu povo, para que me sirva no deserto; e, até agora, não tens ouvido.

[17] Assim diz o SENHOR: Nisto saberás que eu sou o SENHOR: com este bordão que tenho na mão ferirei as águas do rio, e se tornarão em sangue.

[18] Os peixes que estão no rio morrerão, o rio cheirará mal, e os egípcios terão nojo de beber água do rio.

[19] Disse mais o SENHOR a Moisés: Dize a Arão: toma o teu bordão e estende a mão sobre as águas do Egito, sobre os seus rios, sobre os seus canais, sobre as suas lagoas e sobre todos os seus reservatórios, para que se tornem em sangue; haja sangue em toda a terra do Egito, tanto nos vasos de madeira como nos de pedra.

[20] Fizeram Moisés e Arão como o SENHOR lhes havia ordenado: Arão, levantando o bordão, feriu as águas que estavam no rio, à vista de Faraó e seus oficiais; e toda a água do rio se tornou em sangue.

[21] De sorte que os peixes que estavam no rio morreram, o rio cheirou mal, e os egípcios não podiam beber a água do rio; e houve sangue por toda a terra do Egito.

[22] Porém os magos do Egito fizeram também o mesmo com as suas ciências ocultas; de maneira que o coração de

[16]Wothi kuye: UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, ungithume kuwe, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe bangikhonze ehlane; bheka, kuze kube manje awulalelanga.

[17]UJehova usho kanje, uthi: Ngalokhu uyokwazi ukuthi nginguJehova: bheka, ngenduku esesandleni sami ngiyakushaya phezu kwamanzi asemfuleni, aphenduke igazi.

[18]Izinhlanzi ezisemfuleni ziyakufa, umfula unuke; abaseGibithe bayakunengwa ngukuphuza amanzi emfuleni.

[19]UJehova wathi kuMose: Yisho ku-Aroni, uthi: Thatha induku yakho, welule isandla sakho phezu kwamanzi aseGibithe, naphezu kwemifula, naphezu kweminonjana yabo, naphezu kweziziba, naphezu kwamachibi amanzi abo onke ukuba aphenduke igazi, kube khona igazi ezweni lonke laseGibithe ezitsheni zemithi nasezitsheni zamatshe.

[20] OMose no-Aroni base bekwenza-ke njengalokho uJehova ebayalile; waphakamisa induku, washaya amanzi asemfuleni emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe; onke amanzi asemfuleni aphenduka igazi.

[21]Izinhlanzi zasemfuleni zafa; umfula wanuka; abaseGibithe babengenakuphuza amanzi asemfuleni; igazi lalikhona ezweni lonke laseGibithe.

[22]Izanusi zaseGibithe zenze njalo ngemilingo yazo, yaze yaba lukhuni

Faraó se endureceu, e não os ouviu, como o SENHOR tinha dito.

23 Virou-se Faraó e foi para casa; nem ainda isso considerou o seu coração.

24 Todos os egípcios cavaram junto ao rio para encontrar água que beber, pois das águas do rio não podiam beber.

25 Assim se passaram sete dias, depois que o SENHOR feriu o rio.

Êxodo 8

Segunda praga: rãs

1 Depois, disse o SENHOR a Moisés: Chega-te a Faraó e dize-lhe: Assim diz o SENHOR: Deixa ir o meu povo, para que me sirva.

2 Se recusares deixá-lo ir, eis que castigarei com rãs todos os teus territórios.

3 O rio produzirá rãs em abundância, que subirão e entrarão em tua casa, e no teu quarto de dormir, e sobre o teu leito, e nas casas dos teus oficiais, e sobre o teu povo, e nos teus fornos, e nas tuas amassadeiras.

4 As rãs virão sobre ti, sobre o teu povo e sobre todos os teus oficiais.

5 Disse mais o SENHOR a Moisés: Dize a Arão: Estende a mão com o teu bordão sobre os rios, sobre os canais e sobre as lagoas e faze subir rãs sobre a terra do Egito.

inhliziyo kaFaro; kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

23UFaro waphenduka wangena endlini yakhe, kayibekanga inhliziyo yakhe nakulokho.

24AbaseGibithe bemba nxazonke zomfula ukuthola amanzi okuphuza, ngokuba babengenakuphuza amanzi asemfuleni.

25Zaphelela izinsuku eziyisikhombisa, selokhu uJehova eshayile umfula.

U-Eksodusi 8

Inhlupheko yesibili: amasele

1UJehova wayesethi kuMose: Ngena kuFaro, uthi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

2Uma wenqaba ukuba basuke, bheka, mina ngiyakushaya izwe lakho lonke ngamasele;

3umfula uyakuvama amasele; ayakukhuphuka, angene endlini yakho, nasekamelweni lakho lokulala, naphezu kombhede wakho, nasendlini yezinceku zakho, naphezu kwabantu bakho, nasemaziko akho, nasezingqwembeni zakho zokuxova izinkwa.

4Yebo, kuwena, nakubantu bakho, nasezincekwini zakho zonke ayakwenyukela amasele.

5UJehova wathi kuMose: Yisho ku-Aroni, uthi: Yelula isandla sakho nenduku yakho phezu kwemifula, naphezu kweminonjana, naphezu kweziziba, wenyusele ezweni laseGibithe.

[6] Arão estendeu a mão sobre as águas do Egito, e subiram rãs e cobriram a terra do Egito.

[7] Então, os magos fizeram o mesmo com suas ciências ocultas e fizeram aparecer rãs sobre a terra do Egito.

[8] Chamou Faraó a Moisés e a Arão e lhes disse: Rogai ao SENHOR que tire as rãs de mim e do meu povo; então, deixarei ir o povo, para que ofereça sacrifícios ao SENHOR.

[9] Falou Moisés a Faraó: Digna-te dizer-me quando é que hei de rogar por ti, pelos teus oficiais e pelo teu povo, para que as rãs sejam retiradas de ti e das tuas casas e fiquem somente no rio.

[10] Ele respondeu: Amanhã. Moisés disse: Seja conforme a tua palavra, para que saibas que ninguém há como o SENHOR, nosso Deus.

[11] Retirar-se-ão as rãs de ti, e das tuas casas, e dos teus oficiais, e do teu povo; ficarão somente no rio.

[12] Então, saíram Moisés e Arão da presença de Faraó; e Moisés clamou ao SENHOR por causa das rãs, conforme combinara com Faraó.

[13] E o SENHOR fez conforme a palavra de Moisés; morreram as rãs nas casas, nos pátios e nos campos.

[14] Ajuntaram-nas em montões e montões, e a terra cheirou mal.

[6] U-Aroni wayeselula isandla sakhe phezu kwamanzi aseGibithe; amasele akhuphuka-ke, asibekela izwe laseGibithe.

[7]Izanusi zenze njalo ngemilingo yazo, zenyusela amasele ezweni laseGibithe.

[8]Khona uFaro wababiza oMose no-Aroni, wathi: Ncengani uJehova ukuba asuse amasele kimi nakubantu bami; ngizakuvumela abantu ukuba bahambe, bahlabele uJehova.

[9]UMose wathi kuFaro: Ziphakamise phezu kwami, usho ukuthi ngizakukuncengela ngasiphi isikhathi wena nezinceku zakho, nabantu bakho ukuba achithwe amasele kuwe nasezindlini zakho, asale emfuleni kuphela.

[10]Wayesethi: Ngomuso. Wathi: Makube njengezwi lakho ukuba wazi ukuthi akakho onjengaye uJehova uNkulunkulu wethu.

[11]Amasele ayakusuka kuwe, nasezindlini zakho, nasezincekwini zakho, nakubantu bakho, asale emfuleni kuphela.

[12]OMose no-Aroni baphuma kuFaro; uMose wakhala kuJehova ngamasele ayewalethile kuFaro.

[13]UJehova wenza njengezwi likaMose; amasele afa ezindlini, nasemagcekeni, nasemasimini.

[14]Bawabuthela izinqwaba ngezinqwaba, izwe lanuka.

[15] Vendo, porém, Faraó que havia alívio, continuou de coração endurecido e não os ouviu, como o SENHOR tinha dito.

Terceira praga: piolhos

[16] Disse o SENHOR a Moisés: Dize a Arão: Estende o teu bordão e fere o pó da terra, para que se torne em piolhos por toda a terra do Egito.

[17] Fizeram assim; Arão estendeu a mão com seu bordão e feriu o pó da terra, e houve muitos piolhos nos homens e no gado; todo o pó da terra se tornou em piolhos por toda a terra do Egito.

[18] E fizeram os magos o mesmo com suas ciências ocultas para produzirem piolhos, porém não o puderam; e havia piolhos nos homens e no gado.

[19] Então, disseram os magos a Faraó: Isto é o dedo de Deus. Porém o coração de Faraó se endureceu, e não os ouviu, como o SENHOR tinha dito.

Quarta praga: moscas

[20] Disse o SENHOR a Moisés: Levanta-te pela manhã cedo e apresenta-te a Faraó; eis que ele sairá às águas; e dize-lhe: Assim diz o SENHOR: Deixa ir o meu povo, para que me sirva.

[21] Do contrário, se tu não deixares ir o meu povo, eis que eu enviarei enxames de moscas sobre ti, e sobre os teus oficiais, e sobre o teu povo, e nas tuas casas; e as casas dos egípcios se encherão destes

[15]Esebona uFaro ukuthi kuyiphefu, wayenza lukhuni inhliziyo yakhe, kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

Inhlupheko yesithathu: omiyane

[16]UJehova wayesethi kuMose: Yisho ku-Aroni, uthi: Yelula induku yakho, ushaye uthuli lomhlabathi, lube ngomiyane ezweni lonke laseGibithe.

[17]Benze njalo-ke; u-Aroni welula isandla sakhe nenduku yakhe, washaya uthuli lomhlabathi, lwaba ngominyane kubantu nasezinkomeni; uthuli lonke lomhlabathi lwaba ngominyane ezweni lonke laseGibithe.

[18]Nezanusi zenze njalo ngemilingo yazo ukuba ziveze omiyane, kepha zahluleka. Omiyane babe khona kubantu nasezinkomeni.

[19] Zase zithi izanusi kuFaro: Lokhu kungumunwe kaNkulunkulu. Kepha inhliziyo kaFaro yaba lukhuni, kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

Inhlupheko yesine: izibawu

[20]UJehova wayesethi kuMose: Vuka ekuseni kusasa, ume phambi kukaFaro; bheka, uyaphuma ukuya emanzini; thana kuye: UJehova usho kanje, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe bangikhonze.

[21]Ngokuba uma wenqaba ukuba basuke, bheka, ngizakuthumela kuwe izibawu, nakuzo izinceku zakho, nakubantu bakho, nasezindlini zakho; izindlu zabaseGibithe

enxames, e também a terra em que eles estiverem.

22 Naquele dia, separarei a terra de Gósen, em que habita o meu povo, para que nela não haja enxames de moscas, e saibas que eu sou o SENHOR no meio desta terra.

23 Farei distinção entre o meu povo e o teu povo; amanhã se dará este sinal.

24 Assim fez o SENHOR; e vieram grandes enxames de moscas à casa de Faraó, e às casas dos seus oficiais, e sobre toda a terra do Egito; e a terra ficou arruinada com estes enxames.

25 Chamou Faraó a Moisés e a Arão e disse: Ide, oferecei sacrifícios ao vosso Deus nesta terra.

26 Respondeu Moisés: Não convém que façamos assim porque ofereceríamos ao SENHOR, nosso Deus, sacrifícios abomináveis aos egípcios; eis que, se oferecermos tais sacrifícios perante os seus olhos, não nos apedrejarão eles?

27 Temos de ir caminho de três dias ao deserto e ofereceremos sacrifícios ao SENHOR, nosso Deus, como ele nos disser.

28 Então, disse Faraó: Deixar-vos-ei ir, para que ofereçais sacrifícios ao SENHOR, vosso Deus, no deserto; somente que, saindo, não vades muito longe; orai também por mim.

29 Respondeu-lhe Moisés: Eis que saio da tua presença e orarei ao SENHOR;

ziyakugcwala izibawu kanye nomhlabathi ezikuwo.

22 Ngalolo suku ngiyakwahlukanisa izwe laseGosheni abakhe kulo abantu bami ukuba kungabikho izibawu khona, ukuze wazi ukuthi nginguJehova phakathi kwezwe.

23Ngizakwahlukanisa abantu bami nabantu bakho; ngomuso siyakuvela lesi sibonakaliso.

24 Wenze njalo uJehova; kwangena uswebezane olwesabekayo lwezibawu endlini kaFaro, nasezindlini zezinceku zakhe, nasezweni lonke laseGibithe; izwe lachithwa ngenxa yezibawu.

25Khona uFaro wababiza oMose no-Aroni, wathi: Hambani nihlabele uNkulunkulu wenu kuleli zwe.

26 Wayesethi uMose: Akufanele ukwenze njalo, ngokuba siyakuhlabela uJehova uNkulunkulu wethu lokhu okunengeka kwabaseGibithe; bheka, singahlaba okunengeka kwabaseGibithe emehlweni abo, bangasikhandi ngamatshe, na?

27 Siyakuhamba ibanga lezinsuku ezintathu, siye ehlane, sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu, njengalokho ezakusiyala.

28Wayesethi uFaro: Ngizakunivumela ukuba nihambe nihlabele uJehova uNkulunkulu wenu ehlane, kepha ningayi kude kakhulu nokho; ngikhulekeleni.

29Wathi uMose: Bheka, ngiyaphuma kuwe; ngiyakuncenga uJehova ukuba

amanhã, estes enxames de moscas se retirarão de Faraó, dos seus oficiais e do seu povo; somente que Faraó não mais me engane, não deixando ir o povo para que ofereça sacrifícios ao SENHOR.

30 Então, saiu Moisés da presença de Faraó e orou ao SENHOR.

31 E fez o SENHOR conforme a palavra de Moisés, e os enxames de moscas se retiraram de Faraó, dos seus oficiais e do seu povo; não ficou uma só mosca.

32 Mas ainda esta vez endureceu Faraó o coração e não deixou ir o povo.

Êxodo 9

Quinta praga: peste nos animais

1 Disse o SENHOR a Moisés: Apresenta-te a Faraó e dize-lhe: Assim diz o SENHOR, o Deus dos hebreus: Deixa ir o meu povo, para que me sirva.

2 Porque, se recusares deixá-los ir e ainda por força os detiveres,

3 eis que a mão do SENHOR será sobre o teu rebanho, que está no campo, sobre os cavalos, sobre os jumentos, sobre os camelos, sobre o gado e sobre as ovelhas, com pestilência gravíssima.

4 E o SENHOR fará distinção entre os rebanhos de Israel e o rebanho do Egito, para que nada morra de tudo o que pertence aos filhos de Israel.

izibawu zimuke, zisuke kuFaro, nakuzo izinceku zakhe, nakubantu bakhe ngomuso; kodwa uFaro angabuyi akhohlise ngokungavumeli abantu ukuba bahambe bahlabele uJehova.

30UMose wayesephuma kuFaro, wamncenga uJehova.

31UJehova wayesenza njengezwi likaMose; wasusa izibawu kuFaro, nakuzo izinceku zakhe, nakubantu bakhe; akwasala nesisodwa.

32UFaro wayenza lukhuni inhliziyo yakhe nangaleso sikhathi futhi, kabavumelanga abantu ukuba bahambe.

U-Eksodusi 9

Inhlupheko yesihlanu: isifo sezinkomo

1UJehova wayesethi kuMose: Ngena kuFaro, umtshele ukuthi: Usho kanje uJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

2Ngokuba uma wenqaba ukuba bahambe usababambile,

3bheka, isandla sikaJehova siyakuba phezu kwemfuyo yakho esendle, naphezu kwamahhashi, naphezu kwezimbongolo, naphezu kwamakamela, naphezu kwezinkomo, naphezu kwezimvu, silethe isifo esinzima kakhulu.

4UJehova uyakwahlukanisa imfuyo yakwa-Israyeli nemfuyo yaseGibithe, kungafi lutho kukho konke okwabantwana bakwa-Israyeli.

[5] O SENHOR designou certo tempo, dizendo: Amanhã, fará o SENHOR isto na terra.

[5]UJehova wanquma isikhathi, wathi: Kusasa uJehova uzakwenza lokhu ezweni.

[6] E o SENHOR o fez no dia seguinte, e todo o rebanho dos egípcios morreu; porém, do rebanho dos israelitas, não morreu nem um.

[6]Wakwenza-ke lokho uJehova ngangomuso; yafa yonke imfuyo yaseGibithe, kepha emfuyweni yabantwana bakwa-Israyeli akwafa neyodwa.

[7] Faraó mandou ver, e eis que do rebanho de Israel não morrera nem um sequer; porém o coração de Faraó se endureceu, e não deixou ir o povo.

[7]UFaro wathumela; bheka, emfuyweni yakwa-Israyeli akufanga neyodwa; kepha inhliziyo kaFaro yayilukhuni, kabavumelanga abantu ukuba bahambe.

Sexta praga: úlceras

Inhlupheko yesithupha: amathumba

[8] Então, disse o SENHOR a Moisés e a Arão: Apanhai mãos cheias de cinza de forno, e Moisés atire-a para o céu diante de Faraó.

[8]UJehova wayesethi kuMose naku-Aroni: Caphunani izinkweshe zomlotha waseziko uMose awusakazele ngasezulwini phambi kukaFaro.

[9] Ela se tornará em pó miúdo sobre toda a terra do Egito e se tornará em tumores que se arrebentem em úlceras nos homens e nos animais, por toda a terra do Egito.

[9]Uyakuba yibhuqu ezweni lonke laseGibithe, uphenduke amathumba ayakuqhamuka nezilonda kubantu nasezinkomeni ezweni lonke laseGibithe.

[10] Eles tomaram cinza de forno e se apresentaram a Faraó; Moisés atirou-a para o céu, e ela se tornou em tumores que se arrebentavam em úlceras nos homens e nos animais,

[10]Base bethatha umlotha waseziko, bema phambi kukaFaro; uMose wawusakazela ngasezulwini, waphenduka amathumba aqhamuka nezilonda kubantu nasezinkomeni.

[11] de maneira que os magos não podiam permanecer diante de Moisés, por causa dos tumores; porque havia tumores nos magos e em todos os egípcios.

[11]Izanusi zazingenakuma phambi kukaMose ngenxa yamathumba, ngokuba amathumba ayekhona kuzo izanusi nakubo bonke abaseGibithe.

[12] Porém o SENHOR endureceu o coração de Faraó, e este não os ouviu, como o SENHOR tinha dito a Moisés.

[12]UJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabalalelanga, njengalokho uJehova eshilo kuMose.

Sétima praga: chuva de pedras

Inhlupheko yesikhombisa: isichotho

[13] Disse o SENHOR a Moisés: Levanta-te pela manhã cedo, apresenta-te a Faraó e

[13]UJehova wayesethi kuMose: Vuka ekuseni kusasa, ume phambi kukaFaro,

dize-lhe: Assim diz o SENHOR, o Deus dos hebreus: Deixa ir o meu povo, para que me sirva.

uthi kuye: UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, usho kanje, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

[14] Pois esta vez enviarei todas as minhas pragas sobre o teu coração, e sobre os teus oficiais, e sobre o teu povo, para que saibas que não há quem me seja semelhante em toda a terra.

[14]Ngokuba kulesi sikhathi ngizakuthuma zonke izinhlupho zami enhliziyweni yakho, nasezincekweni zakho, nakubantu bakho, ukuze wazi ukuthi akakho onjengami emhlabeni wonke.

[15] Pois já eu poderia ter estendido a mão para te ferir a ti e o teu povo com pestilência, e terias sido cortado da terra;

[15]Ngokuba ngase ngiselule isandla sami, ngakushaya wena nabantu bakho ngesifo, uze uchitheke emhlabeni,

[16] mas, deveras, para isso te hei mantido, a fim de mostrar-te o meu poder, e para que seja o meu nome anunciado em toda a terra.

[16]kepha ngikumise ngalokhu ukuba ngikubonise amandla ami, igama lami lishunyayelwe emhlabeni wonke.

[17] Ainda te levantas contra o meu povo, para não deixá-lo ir?

[17]Usabavimbela abantu bami, ungabavumeli ukuba bahambe, na?

[18] Eis que amanhã, por este tempo, farei cair mui grave chuva de pedras, como nunca houve no Egito, desde o dia em que foi fundado até hoje.

[18]Bheka, kusasa ngalesi sikhathi ngiyakuwisa isichotho esinzima kakhulu, esingazange sibe khona esingaka eGibithe, selokhu lakhiwa kuze kube manje.

[19] Agora, pois, manda recolher o teu gado e tudo o que tens no campo; todo homem e animal que se acharem no campo e não se recolherem a casa, em caindo sobre eles a chuva de pedras, morrerão.

[19]Ngalokho thuma, ubuyise imfuyo yakho nakho konke onakho endle; bonke abantu nazo zonke izinkomo okuyakufunyanwa endle kungagoduswanga kuyakuwelelwa yisichotho, kufe.

[20] Quem dos oficiais de Faraó temia a palavra do SENHOR fez fugir os seus servos e o seu gado para as casas;

[20]Yena owalesaba izwi likaJehova phakathi kwezinceku zikaFaro wazenza izinceku zakhe nezinkomo zakhe ukuba zibalekele ezindlini.

[21] aquele, porém, que não se importava com a palavra do SENHOR deixou ficar no campo os seus servos e o seu gado.

[21]Kepha onganakanga izwi likaJehova washiya izinceku zakhe nemfuyo yakhe endle.

[22] Então, disse o SENHOR a Moisés: Estende a mão para o céu, e cairá chuva de pedras em toda a terra do Egito, sobre homens, sobre animais e sobre toda planta do campo na terra do Egito.

[22]Wayesethi uJehova kuMose: Yelula isandla sakho ngasezulwini ukuba kuwe isichotho ezweni lonke laseGibithe, phezu kwabantu, naphezu kwazinkomo naphezu kwayo yonke imifino ezweni lonke laseGibithe.

[23] E Moisés estendeu o seu bordão para o céu; o SENHOR deu trovões e chuva de pedras, e fogo desceu sobre a terra; e fez o SENHOR cair chuva de pedras sobre a terra do Egito.

[23] UMose wayeselula induku yakhe ngasezulwini; uJehova wathuma ukuduma nesichotho; nomlilo wehlela emhlabeni; uJehova wawisa isichotho phezu kwezwe laseGibithe.

[24] De maneira que havia chuva de pedras e fogo misturado com a chuva de pedras tão grave, qual nunca houve em toda a terra do Egito, desde que veio a ser uma nação.

[24]Kwase kuwa isichotho nomlilo owanyazima njalo phakathi kwesichotho; kwakunzima kakhulu, okwakungazange kube khona ezweni laseGibithe okungangako, selokhu laba yisizwe.

[25] Por toda a terra do Egito a chuva de pedras feriu tudo quanto havia no campo, tanto homens como animais; feriu também a chuva de pedras toda planta do campo e quebrou todas as árvores do campo.

[25]Isichotho sashaya konke okwakusendle, abantu nezinkomo, ezweni lonke laseGibithe; isichotho sashaya yonke imifino yasendle, saphula yonke imithi yasendle.

[26] Somente na terra de Gósen, onde estavam os filhos de Israel, não havia chuva de pedras.

[26]Ezweni laseGosheni kuphela, lapho babe khona abantwana bakwa-Israyeli, kwakungawi sichotho.

[27] Então, Faraó mandou chamar a Moisés e a Arão e lhes disse: Esta vez pequei; o SENHOR é justo, porém eu e o meu povo somos ímpios.

[27]UFaro wathuma wababiza oMose no-Aroni, wathi kubo: Ngonile lesi sikhathi; uJehova ulungile, kepha mina nabantu bami sibabi.

[28] Orai ao SENHOR; pois já bastam estes grandes trovões e a chuva de pedras. Eu vos deixarei ir, e não ficareis mais aqui.

[28]Ncengani kuJehova, ngokuba sekwanele lokhu kuduma okungaka nesichotho; ngizakunivumela ukuba nihambe, ningabe nisahlala.

[29] Respondeu-lhe Moisés: Em saindo eu da cidade, estenderei as mãos ao SENHOR; os

[29] Wayesethi uMose kuye: Nxa sengiphumile emzini, ngizakwelula

trovões cessarão, e já não haverá chuva de pedras; para que saibas que a terra é do SENHOR.

izandla zami kuJehova; kuyakunqamuka ukuduma, nesichotho asisayikuba khona, ukuze wazi ukuthi umhlaba ungokaJehova.

[30] Quanto a ti, porém, e aos teus oficiais, eu sei que ainda não temeis ao SENHOR Deus.

[30]Kepha wena nezinceku zakho ngiyazi ukuthi anikamesabi uJehova uNkulunkulu.

[31] (O linho e a cevada foram feridos, pois a cevada já estava na espiga, e o linho, em flor.

[31]Kwashaywa ifilakisi nebhali, ngokuba ibhali lalikhahlele, nefilakisi laliqhakazile.

[32] Porém o trigo e o centeio não sofreram dano, porque ainda não haviam nascido.)

[32]Kepha ukolweni nespelite akushaywanga, ngokuba kwakungakakhuli.

[33] Saiu, pois, Moisés da presença de Faraó e da cidade e estendeu as mãos ao SENHOR; cessaram os trovões e a chuva de pedras, e não caiu mais chuva sobre a terra.

[33]UMose waphuma emzini kaFaro, welula izandla zakhe kuJehova; kwanqamuka-ke ukuduma nesichotho, alabe lisana emhlabeni.

[34] Tendo visto Faraó que cessaram as chuvas, as pedras e os trovões, tornou a pecar e endureceu o coração, ele e os seus oficiais.

[34]UFaro esebonile ukuthi imvula nesichotho nokuduma sekunqamukile, wabuye wona, wayenza lukhuni inhliziyo yakhe, yena nezinceku zakhe.

[35] E assim Faraó, de coração endurecido, não deixou ir os filhos de Israel, como o SENHOR tinha dito a Moisés.

[35]Inhliziyo kaFaro yayilukhuni, kabavumelanga abantwana bakwa-Israyeli ukuba bahambe, njengalokho uJehova eshilo ngoMose.

Êxodo 10

Oitava praga: gafanhotos

[1] Disse o SENHOR a Moisés: Vai ter com Faraó, porque lhe endureci o coração e o coração de seus oficiais, para que eu faça estes meus sinais no meio deles,

U-Eksodusi 10

Inhlupheko yesishiyagalombili: isikhonyane

[1]UJehova wayesethi kuMose: Ngena kuFaro, ngokuba ngenze lukhuni inhliziyo yakhe nenhliziyo yezinceku zakhe ukuba ngizenze lezi zibonakaliso zami phakathi kwabo,

[2] e para que contes a teus filhos e aos filhos de teus filhos como zombei dos egípcios e

[2]ukuze utshele indodana yakho ezindlebeni nendodana yendodana yakho

quantos prodígios fiz no meio deles, e para que saibais que eu sou o SENHOR.

3 Apresentaram-se, pois, Moisés e Arão perante Faraó e lhe disseram: Assim diz o SENHOR, o Deus dos hebreus: Até quando recusarás humilhar-te perante mim? Deixa ir o meu povo, para que me sirva.

4 Do contrário, se recusares deixar ir o meu povo, eis que amanhã trarei gafanhotos ao teu território;

5 eles cobrirão de tal maneira a face da terra, que dela nada aparecerá; eles comerão o restante que escapou, o que vos resta da chuva de pedras, e comerão toda árvore que vos cresce no campo;

6 e encherão as tuas casas, e as casas de todos os teus oficiais, e as casas de todos os egípcios, como nunca viram teus pais, nem os teus antepassados desde o dia em que se acharam na terra até ao dia de hoje. Virou-se e saiu da presença de Faraó.

7 Então, os oficiais de Faraó lhe disseram: Até quando nos será por cilada este homem? Deixa ir os homens, para que sirvam ao SENHOR, seu Deus. Acaso, não sabes ainda que o Egito está arruinado?

8 Então, Moisés e Arão foram conduzidos à presença de Faraó; e este lhes disse: Ide, servi ao SENHOR, vosso Deus; porém quais são os que hão de ir?

lokho engikwenzele iGibithe, nezibonakaliso zami engizenzile phakathi kwabo, nize nazi ukuthi nginguJehova.

3OMose no-Aroni bangena-ke kuFaro, bathi kuye: Usho kanje uJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, uthi: Koze kube nini wenqaba ukuzithoba phambi kwami na? Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

4Ngokuba uma wenqaba ukuba abantu bami bahambe, bheka, ngomuso ngizakuletha isikhonyane ezweni lakho.

5Siyakusibekela ubuso bomhlaba, ukuze kungabe kusabonwa mhlabathi; siyakudla okuseleyo okusindile, enikushiyelwe yisichotho, sidle yonke imithi enimilelayo endle.

6Izindlu zakho, nezindlu zezinceku zakho zonke, nezindlu zabo bonke abaseGibithe ziyakugcwaliswa yiso, abangazange basibone esinjalo oyihlo nawoyise bawoyihlo, selokhu bafika emhlabeni kuze kube namuhla. Waphenduka, waphuma kuFaro.

7Kepha izinceku zikaFaro zathi kuye: Lo muntu uzakuba lugibe kuze kube nini na? Bavumele abantu ukuba bahambe bakhonze uJehova uNkulunkulu wabo. Awukwazi ukuthi iGibithe seliyashabalala na?

8OMose no-Aroni babuyiselwa kuFaro; wathi kubo: Hambani nimkhonze uJehova uNkulunkulu wenu; kepha ngobani abazakuhamba na?

[9] Respondeu-lhe Moisés: Havemos de ir com os nossos jovens, e com os nossos velhos, e com os filhos, e com as filhas, e com os nossos rebanhos, e com os nossos gados; havemos de ir, porque temos de celebrar festa ao SENHOR.

[9]UMose wathi: Siyakuhamba nabasha bethu, nabadala bethu, namadodana ethu, namadodakazi ethu, nezimvu zethu, nezinkomo zethu, ngokuba sinomkhosi kaJehova.

[10] Replicou-lhes Faraó: Seja o SENHOR convosco, caso eu vos deixe ir e as crianças. Vede, pois tendes conosco más intenções.

[10]Wayesethi kubo: Makabe nani-ke uJehova, njengokuba ngizakunivumela ukuba nihambe nezingane zenu; bhekani, ngokuba okubi kuphambi kwenu.

[11] Não há de ser assim; ide somente vós, os homens, e servi ao SENHOR; pois isso é o que pedistes. E os expulsaram da presença de Faraó.

[11]Kungabi njalo; hambani nina madoda nimkhonze uJehova, ngokuba yikho enikufunayo. Base bexoshwa ebusweni bukaFaro.

[12] Então, disse o SENHOR a Moisés: Estende a mão sobre a terra do Egito, para que venham os gafanhotos sobre a terra do Egito e comam toda a erva da terra, tudo o que deixou a chuva de pedras.

[12]UJehova wayesethi kuMose: Yelula isandla sakho phezu kwezwe laseGibithe, kufike isikhonyane ukuba senyukele ezweni laseGibithe, sidle imifino yonke, konke okwashiywa yisichotho.

[13] Estendeu, pois, Moisés o seu bordão sobre a terra do Egito, e o SENHOR trouxe sobre a terra um vento oriental todo aquele dia e toda aquela noite; quando amanheceu, o vento oriental tinha trazido os gafanhotos.

[13] UMose wayeselula induku yakhe phezu kwezwe laseGibithe; uJehova waletha umoya wasempumalanga ezweni ngalo lonke lolo suku nobusuku bonke; sekusile umoya wasempumalanga waletha isikhonyane.

[14] E subiram os gafanhotos por toda a terra do Egito e pousaram sobre todo o seu território; eram mui numerosos; antes destes, nunca houve tais gafanhotos, nem depois deles virão outros assim.

[14]Isikhonyane senyukela ezweni lonke laseGibithe, sahlala ezweni lonke laseGibithe, sasinzima kakhulu; ngaphambi kwaso kwakungazange kube khona isikhonyane esingangaso, nangasemva kwaso asisayikuba khona esingangaso.

[15] Porque cobriram a superfície de toda a terra, de modo que a terra se escureceu; devoraram toda a erva da terra e todo

[15]Ngokuba sasibekela ubuso bonke bomhlaba, laze laba mnyama izwe. Sadla imifino yonke nezithelo zonke zemithi

fruto das árvores que deixara a chuva de pedras; e não restou nada verde nas árvores, nem na erva do campo, em toda a terra do Egito.

ezishiywe yisichotho; akwasala lutho oluluhlaza emithini nasemifinweni yasendle ezweni lonke laseGibithe.

16 Então, se apressou Faraó em chamar a Moisés e a Arão e lhes disse: Pequei contra o SENHOR, vosso Deus, e contra vós outros.

16Khona uFaro washesha wababiza oMose no-Aroni, wathi: Ngonile kuJehova uNkulunkulu wenu nakinina.

17 Agora, pois, peço-vos que me perdoeis o pecado esta vez ainda e que oreis ao SENHOR, vosso Deus, que tire de mim esta morte.

17Ngalokho ake nithethelele isono sami ngalesi sikhathi esisodwa nje, nincenge uJehova uNkulunkulu wenu ukuba asuse kimi lokhu kufa kuphela.

18 E Moisés, tendo saído da presença de Faraó, orou ao SENHOR.

18Waphuma kuFaro, wamncenga uJehova.

19 Então, o SENHOR fez soprar fortíssimo vento ocidental, o qual levantou os gafanhotos e os lançou no mar Vermelho; nem ainda um só gafanhoto restou em todo o território do Egito.

19UJehova wayesewuphendula umoya waba ngowasentshonalanga onamandla amakhulu; wona wasusa isikhonyane, wasilahla eLwandle Olubomvu; akwasala sikhonyane nesisodwa ezweni lonke laseGibithe.

20 O SENHOR, porém, endureceu o coração de Faraó, e este não deixou ir os filhos de Israel.

20Kepha uJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabavumelanga abantwana bakwa-Israyeli ukuba bahambe.

Nona praga: trevas

21 Então, disse o SENHOR a Moisés: Estende a mão para o céu, e virão trevas sobre a terra do Egito, trevas que se possam apalpar.

Inhlupheko yesishiyagalolunye: ubumnyama

21UJehova wayesethi kuMose: Yelula isandla sakho ngasezulwini ukuba kube khona ubumnyama ezweni laseGibithe obuphatheka ngesandla.

22 Estendeu, pois, Moisés a mão para o céu, e houve trevas espessas sobre toda a terra do Egito por três dias;

22 UMose wayeseselula isandla sakhe ngasezulwini; kwaba khona isigayegaye esinzima ezweni lonke laseGibithe izinsuku ezintathu.

23 não viram uns aos outros, e ninguém se levantou do seu lugar por três dias; porém

23Ababonananga; akusukanga muntu endaweni yakhe izinsuku zaze zaba ntathu; kepha kubo bonke abantwana

todos os filhos de Israel tinham luz nas suas habitações.

[24] Então, Faraó chamou a Moisés e lhe disse: Ide, servi ao SENHOR. Fiquem somente os vossos rebanhos e o vosso gado; as vossas crianças irão também convosco.

[25] Respondeu Moisés: Também tu nos tens de dar em nossas mãos sacrifícios e holocaustos, que ofereçamos ao SENHOR, nosso Deus.

[26] E também os nossos rebanhos irão conosco, nem uma unha ficará; porque deles havemos de tomar, para servir ao SENHOR, nosso Deus, e não sabemos com que havemos de servir ao SENHOR, até que cheguemos lá.

[27] O SENHOR, porém, endureceu o coração de Faraó, e este não quis deixá-los ir.

[28] Disse, pois, Faraó a Moisés: Retira-te de mim e guarda-te que não mais vejas o meu rosto; porque, no dia em que vires o meu rosto, morrerás.

[29] Respondeu-lhe Moisés: Bem disseste; nunca mais tornarei eu a ver o teu rosto.

bakwa-Israyeli kwakukhona ukukhanya emakhaya abo.

[24]UFaro wambiza uMose, wathi: Hambani nimkhonze uJehova, kusale kuphela izimvu zenu nezinkomo zenu; izingane zenu zingahamba nani.

[25]Wathi uMose: Wonikela esandleni sethu imihlatshelo neminikelo yokushiswa, ukuze sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu.

[26]Imfuyo yethu nayo iyakuhamba nathi; akuyikusala nanselo, ngokuba siyakuthatha kuyo lokhu esiyakumkhonza ngakho uJehova uNkulunkulu wethu; asikwazi esiyakumkhonza ngakho uJehova, singakafiki khona.

[27]Kepha uJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabavumelanga ukuba bahambe.

[28]UFaro wathi kuye: Suka kimi, uqaphele ukuba ungabuboni ubuso bami futhi; ngokuba mhla ubona ubuso bami, uyakufa.

[29]Wathi uMose: Ukhulume kahle; angisayikubuye ngibone ubuso bakho.

Êxodo 11

Deus anuncia a décima praga

[1] Disse o SENHOR a Moisés: Ainda mais uma praga trarei sobre Faraó e sobre o Egito. Então, vos deixará ir daqui; quando vos deixar, é certo que vos expulsará totalmente.

U-Eksodusi 11

Inhlupheko yeshumi: ukufa kwamazibulo

[1] UJehova wayesethi kuMose: Ngisezakuletha inhlupheko eyodwa kuFaro nakulo iGibithe; ngasemuva uyakunivumela ukuba nisuke lapha; yebo, nxa eniyeka ukuba nihambe, uzakunixosha nokunixosha lapha.

[2] Fala, agora, aos ouvidos do povo que todo homem peça ao seu vizinho, e toda mulher, à sua vizinha objetos de prata e de ouro.

[3] E o SENHOR fez que o seu povo encontrasse favor da parte dos egípcios; também o homem Moisés era mui famoso na terra do Egito, aos olhos dos oficiais de Faraó e aos olhos do povo.

[4] Moisés disse: Assim diz o SENHOR: Cerca da meia-noite passarei pelo meio do Egito.

[5] E todo primogênito na terra do Egito morrerá, desde o primogênito de Faraó, que se assenta no seu trono, até ao primogênito da serva que está junto à mó, e todo primogênito dos animais.

[6] Haverá grande clamor em toda a terra do Egito, qual nunca houve, nem haverá jamais;

[7] porém contra nenhum dos filhos de Israel, desde os homens até aos animais, nem ainda um cão rosnará, para que saibais que o SENHOR fez distinção entre os egípcios e os israelitas.

[8] Então, todos estes teus oficiais descerão a mim e se inclinarão perante mim, dizendo: Sai tu e todo o povo que te segue. E, depois disto, sairei. E, ardendo em ira, se retirou da presença de Faraó.

[2]Khuluma manje ezindlebeni zabantu ukuba yilowo nalowo mlisa acele kumakhelwane wakhe, yilowo nalowo wesifazane acele kumakhelwane wakhe izinto zesiliva nezinto zegolide.

[3] UJehova wabapha abantu umusa emehlweni abaseGibithe. Futhi lowo muntu uMose wayemkhulu kakhulu ezweni laseGibithe emehlweni ezinceku zikaFaro nasemehlweni abantu.

[4]UMose wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Ngaphakathi kwamabili ngizakuphuma, ngiye phakathi kweGibithe;

[5]amazibulo onke asezweni laseGibithe ayakufa, kusukela kulo izibulo likaFaro ohlala esihlalweni sakhe sobukhosi kuze kube kulo izibulo lencekukazi engasetsheni lokugaya, kanye namazibulo onke ezinkomo.

[6]Kuyakuba khona ukukhala okukhulu ezweni lonke laseGibithe, okungazange kube khona okungangako, okungasayikuba khona futhi okungangako.

[7]Kepha kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli akuyikubakho nanja eyakugwavumela umuntu nenkomo, ukuze nazi ukuthi uJehova uyahlukanisa iGibithe no-Israyeli.

[8]Zonke lezi zinceku zakho ziyakwehla, zifike kimi, zingikhothamele, zithi: Phuma wena nabantu bonke abakulandelayo; emva kwalokho ngizakuphuma. Waphuma kuFaro evutha ulaka.

[9] Então, disse o SENHOR a Moisés: Faraó não vos ouvirá, para que as minhas maravilhas se multipliquem na terra do Egito.

[10] Moisés e Arão fizeram todas essas maravilhas perante Faraó; mas o SENHOR endureceu o coração de Faraó, que não permitiu saíssem da sua terra os filhos de Israel.

[9] Wayesethi uJehova kuMose: UFaro akayikukulalela ukuba izimangaliso zami zande ezweni laseGibithe.

[10] OMose no-Aroni bazenza zonke lezi zimangaliso ebusweni bukaFaro; uJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabavumelanga abantwana bakwa-Israyeli ukuphuma ezweni lakhe.

Êxodo 12

A instituição da Páscoa

[1] Disse o SENHOR a Moisés e a Arão na terra do Egito:

[2] Este mês vos será o principal dos meses; será o primeiro mês do ano.

[3] Falai a toda a congregação de Israel, dizendo: Aos dez deste mês, cada um tomará para si um cordeiro, segundo a casa dos pais, um cordeiro para cada família.

[4] Mas, se a família for pequena para um cordeiro, então, convidará ele o seu vizinho mais próximo, conforme o número das almas; conforme o que cada um puder comer, por aí calculareis quantos bastem para o cordeiro.

[5] O cordeiro será sem defeito, macho de um ano; podereis tomar um cordeiro ou um cabrito;

[6] e o guardareis até ao décimo quarto dia deste mês, e todo o ajuntamento da congregação de Israel o imolará no crepúsculo da tarde.

U-Eksodusi 12

Ukumiswa komkhosi wephasika

[1]UJehova wayesekhuluma kuMose naku-Aroni ezweni laseGibithe, ethi:

[2] Le nyanga iyakuba kini inhloko yezinyanga, ibe yinyanga yokuqala emnyakeni kini.

[3]Khulumani kuyo inhlangano yonke yakwa-Israyeli, nithi: Ngolweshumi lwale nyanga yilowo nalowo makazithathele iwundlu ngokwezindlu zawoyise, kube yiwundlu ngendlu;

[4]uma abomuzi bengalaneli iwundlu, wolithatha nomakhelwane wakhe oseduze nomuzi wakhe njengenani labantu; kulelo nalelo wundlu anobala inani elithile njengokudla kwalowo nalowo muntu.

[5]Iwundlu malingabi nasici, libe ngeleduna, libe nomnyaka munye, nilithathe ezimvini noma ezimbuzini;

[6] niyakuligcina kuze kube sosukwini lweshumi nane lwaleyo nyanga; ibandla lonke lenhlangano yakwa-Israyeli liyakulihlaba ngakusihlwa.

[7] Tomarão do sangue e o porão em ambas as ombreiras e na verga da porta, nas casas em que o comerem;

[8] naquela noite, comerão a carne assada no fogo; com pães asmos e ervas amargas a comerão.

[9] Não comereis do animal nada cru, nem cozido em água, porém assado ao fogo: a cabeça, as pernas e a fressura.

[10] Nada deixareis dele até pela manhã; o que, porém, ficar até pela manhã, queimá-lo-eis.

[11] Desta maneira o comereis: lombos cingidos, sandálias nos pés e cajado na mão; comê-lo-eis à pressa; é a Páscoa do SENHOR.

[12] Porque, naquela noite, passarei pela terra do Egito e ferirei na terra do Egito todos os primogênitos, desde os homens até aos animais; executarei juízo sobre todos os deuses do Egito. Eu sou o SENHOR.

[13] O sangue vos será por sinal nas casas em que estiverdes; quando eu vir o sangue, passarei por vós, e não haverá entre vós praga destruidora, quando eu ferir a terra do Egito.

[14] Este dia vos será por memorial, e o celebrareis como solenidade ao SENHOR; nas vossas gerações o celebrareis por estatuto perpétuo.

[7]Bazakuthabatha igazi, balibhece ezinsikeni zombili zomnyango nasekhothameni lomnyango ezindlini abayakulidlela kuzo.

[8]Bazakuyidla inyama ngalobo busuku, yosiwe ngomlilo; bayakuyidla kanye nesinkwa esingenamvubelo nemifino ebabayo.

[9]Ningalidli liseluhlaza, noma liphekwe nokuphekwa ngamanzi, kepha losiwe ngomlilo, ikhanda lalo kanye nemilenze yalo nezibilini zalo.

[10]Ningashiyi lutho kuze kube sekuseni; kepha okusele kulo kuze kube sekuseni nizakukushisa ngomlilo.

[11]Niyakulidla kanje: izinkalo zenu ziboshiwe, izicathulo zenu zisezinyaweni zenu, nezindondolo zenu zisezandleni zenu; niyakulidla ngokushesha; kuyiphasika likaJehova.

[12] Ngokuba ngiyakudabula izwe laseGibithe ngalobo busuku, ngibulale onke amazibulo ezweni laseGibithe, abantu nezinkomo, ngenze izahlulelo kuzo zonke izithixo zaseGibithe; ngingu Jehova.

[13]Igazi liyakuba luphawu lwenu ezindlini lapho nikhona; nanxa ngibona igazi, ngiyakudlula kini, ningehlelwa yisifo sokunibhubhisa, lapho ngibulala izwe laseGibithe.

[14] Lolo suku luyakuba yisikhumbuzo kini, nilugcine lube ngumkhosi kaJehova; anolugcina izizukulwane ngezizukulwane ngokomthetho waphakade.

15 Sete dias comereis pães asmos. Logo ao primeiro dia, tirareis o fermento das vossas casas, pois qualquer que comer coisa levedada, desde o primeiro dia até ao sétimo dia, essa pessoa será eliminada de Israel.

15 Izinsuku eziyisikhombisa niyakudla isinkwa esingenamvubelo; yebo, ngosuku lokuqala noyikhipha imvubelo ezindlini zenu, ngokuba bonke abadla okuvutshelweyo, kusukela osukwini lokuqala kuze kufike usuku lwesikhombisa, labo bantu bayakunqunywa kwa-Israyeli.

16 Ao primeiro dia, haverá para vós outros santa assembléia; também, ao sétimo dia, tereis santa assembléia; nenhuma obra se fará nele, exceto o que diz respeito ao comer; somente isso podereis fazer.

16Ngosuku lokuqala niyakuba nomhlangano ongcwele, nangosuku lwesikhombisa nibe nomhlangano ongcwele; kungasetshenzwa ngazo, kuphela okudliwa ngabantu bonke; lokhu kodwa makwenziwe yinina.

17 Guardai, pois, a Festa dos Pães Asmos, porque, nesse mesmo dia, tirei vossas hostes da terra do Egito; portanto, guardareis este dia nas vossas gerações por estatuto perpétuo.

17 Niyakugcina umkhosi wesinkwa esingenamvubelo, ngokuba ngalona lolo suku ngikhiphile amabandla enu ezweni laseGibithe; ngalokho anogcina lolu suku ezizukulwaneni zenu zonke ngokomthetho waphakade.

18 Desde o dia catorze do primeiro mês, à tarde, comereis pães asmos até à tarde do dia vinte e um do mesmo mês.

18 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane ngakusihlwa niyakudla isinkwa esingenamvubelo, kuze kufike usuku lwamashumi amabili nanye lwenyanga ngakusihlwa.

19 Por sete dias, não se ache nenhum fermento nas vossas casas; porque qualquer que comer pão levedado será eliminado da congregação de Israel, tanto o peregrino como o natural da terra.

19Izinsuku eziyisikhombisa akuyikutholakala mvubelo ezindlini zenu, ngokuba yilowo nalowo odlayo okuvutshelweyo yena uyakunqunywa ebandleni lakwa-Israyeli, noma engumfokazi noma engowokuzalwa ezweni.

20 Nenhuma coisa levedada comereis; em todas as vossas habitações, comereis pães asmos.

20Ningadli lutho oluvutshelweyo; ezindlini zenu zonke anodla isinkwa esingenamvubelo.

[21] Chamou, pois, Moisés todos os anciãos de Israel e lhes disse: Escolhei, e tomai cordeiros segundo as vossas famílias, e imolai a Páscoa.

[22] Tomai um molho de hissopo, molhai-o no sangue que estiver na bacia e marcai a verga da porta e suas ombreiras com o sangue que estiver na bacia; nenhum de vós saia da porta da sua casa até pela manhã.

[23] Porque o SENHOR passará para ferir os egípcios; quando vir, porém, o sangue na verga da porta e em ambas as ombreiras, passará o SENHOR aquela porta e não permitirá ao Destruidor que entre em vossas casas, para vos ferir.

[24] Guardai, pois, isto por estatuto para vós outros e para vossos filhos, para sempre.

[25] E, uma vez dentro na terra que o SENHOR vos dará, como tem dito, observai este rito.

[26] Quando vossos filhos vos perguntarem: Que rito é este?

[27] Respondereis: É o sacrifício da Páscoa ao SENHOR, que passou por cima das casas dos filhos de Israel no Egito, quando feriu os egípcios e livrou as nossas casas. Então, o povo se inclinou e adorou.

[28] E foram os filhos de Israel e fizeram isso; como o SENHOR ordenara a Moisés e a Arão, assim fizeram.

Décima praga: morte dos primogênitos

[29] Aconteceu que, à meia-noite, feriu o SENHOR todos os primogênitos na terra

[21] UMose wayesebiza amalunga akwa-Israyeli, wathi kuwo: Hambani nizithathele amawundlu ngokwemindeni yenu, nihlabe iphasika.

[22]Nothatha isithungu sehisopi, nisicwilise egazini elisemcengezini, nibhece ikhothamo nezinsika zombili zomnyango ngegazi elisemcengezini; akuyikuphuma muntu emnyango waleyo ndlu kuze kube sekuseni.

[23]Ngokuba uJehova uyakudabula ukuyoshaya abaseGibithe; nanxa ebona igazi elisekhothameni nasezinsikeni zombili, uJehova uyakudlula kulowo mnyango, angamvumeli umbhubhisi ukuba angene ezindlini zenu ukuyobulala.

[24] Niyakugcina le nto ibe ngumthetho kuwena nakuwo amadodana akho kuze kube phakade.

[25]Kuyakuthi lapho senifike ezweni uJehova azakuninika lona njengesithembiso sakhe, niyakugcina inkonzo yakhe.

[26]Kuyakuthi nxa abantwana benu besho kini, bethi: Iyini le nkonzo kini na?

[27]nithi: Kungumhlatshelo wephasika likaJehova owadlula kuzo izindlu zabantwana bakwa-Israyeli mhla ebulala abaseGibithe, ezophula izindlu zethu. Abantu bakhothama, bakhuleka.

[28]Abantwana bakwa-Israyeli basuka, benze njalo; njengalokho uJehova ebayalile oMose no-Aroni, benze njalo-ke.

Amazibulo abaseGibithe ayabulawa

[29] Kwathi phakathi kwamabili uJehova wabulala onke amazibulo ezweni

do Egito, desde o primogênito de Faraó, que se assentava no seu trono, até ao primogênito do cativo que estava na enxovia, e todos os primogênitos dos animais.

30 Levantou-se Faraó de noite, ele, todos os seus oficiais e todos os egípcios; e fez-se grande clamor no Egito, pois não havia casa em que não houvesse morto.

31 Então, naquela mesma noite, Faraó chamou a Moisés e a Arão e lhes disse: Levantai-vos, saí do meio do meu povo, tanto vós como os filhos de Israel; ide, servi ao SENHOR, como tendes dito.

32 Levai também convosco vossas ovelhas e vosso gado, como tendes dito; ide-vos embora e abençoai-me também a mim.

33 Os egípcios apertavam com o povo, apressando-se em lançá-los fora da terra, pois diziam: Todos morreremos.

34 O povo tomou a sua massa, antes que levedasse, e as suas amassadeiras atadas em trouxas com seus vestidos, sobre os ombros.

35 Fizeram, pois, os filhos de Israel conforme a palavra de Moisés e pediram aos egípcios objetos de prata, e objetos de ouro, e roupas.

36 E o SENHOR fez que seu povo encontrasse favor da parte dos egípcios, de maneira que estes lhes davam o que pediam. E despojaram os egípcios.

A saída dos israelitas do Egito

37 Assim, partiram os filhos de Israel de Ramessés para Sucote, cerca de seiscentos

laseGibithe, kusukela kulo izibulo likaFaro owayehlala esihlalweni sakhe sobukhosi kuze kube kulo izibulo lesiboshwa esasisetilongweni, kanye namazibulo onke ezinkomo.

30UFaro wavuka ebusuku, yena nezinceku zakhe zonke, nabo bonke abaseGibithe; kwaba khona ukukhala okukhulu eGibithe, ngokuba kwakungekhondlu, lapho kungafanga muntu khona.

31Wababiza oMose no-Aroni ebusuku, wathi: Vukani niphume kubantu bami, nina nabantwana bakwa-Israyeli, nihambe niyokhonza uJehova, njengalokho nishilo.

32Thathani izimvu zenu nezinkomo zenu, njengalokho nishilo, nihambe, ningibusise nami.

33AbaseGibithe babebacindezela abantu ukuba babakhiphe ezweni ngokushesha, ngokuba bathi: Thina sonke sifile.

34Abantu base bethatha inhlama yabo ingakavutshelwa, nezingqwembe zabo zokuxova isinkwa, ziboshwe ezingutsheni zabo emahlombe abo.

35 Abantwana bakwa-Israyeli benza-ke njengezwi likaMose; bacela kwabaseGibithe izinto zesiliva, nezinto zegolide, nezingubo.

36UJehova wabenzela abantu umusa emehlweni abaseGibithe, babapha lokho abakucelayo. Babaphundla abaseGibithe.

Abakwa-Israyeli basuka eGibithe

37 Abantwana bakwa-Israyeli basuka eRamsesi, bafika eSukoti, kungathi abantu

mil a pé, somente de homens, sem contar mulheres e crianças.

abayizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha behamba phansi, bengamadoda ngaphandle kwabantwana.

38 Subiu também com eles um misto de gente, ovelhas, gado, muitíssimos animais.

38Kwenyuka nabo ingxubevange yabantu, nezimvu, nezinkomo, imfuyo eningi kakhulu.

39 E cozeram bolos asmos da massa que levaram do Egito; pois não se tinha levedado, porque foram lançados fora do Egito; não puderam deter-se e não haviam preparado para si provisões.

39Ngenhlama abaphuma nayo eGibithe benza amaqebelengwane angenamvubelo, ngokuba yayingavutshelwe, lokhu baxoshwa eGibithe bengenakulibala, futhi bengazilungiselanga mphako.

40 Ora, o tempo que os filhos de Israel habitaram no Egito foi de quatrocentos e trinta anos.

40 Ukuhlala kwabantwana bakwa-Israyeli abakuhlalayo eGibithe kwakuyiminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu.

41 Aconteceu que, ao cabo dos quatrocentos e trinta anos, nesse mesmo dia, todas as hostes do SENHOR saíram da terra do Egito.

41Kwathi ekupheleni kweminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu, kwathi ngalona lolo suku, amabandla onke kaJehova aphuma ezweni laseGibithe.

42 Esta noite se observará ao SENHOR, porque, nela, os tirou da terra do Egito; esta é a noite do SENHOR, que devem todos os filhos de Israel comemorar nas suas gerações.

42Kungubusuku obuzakugcinelwa uJehova ngokubakhipha kwakhe ezweni laseGibithe, ngubusuku bukaJehova obuzakugcinwa yibo bonke abantwana bakwa-Israyeli ezizukulwaneni zabo.

Umthetho wephasika

43 Disse mais o SENHOR a Moisés e a Arão: Esta é a ordenança da Páscoa: nenhum estrangeiro comerá dela.

43UJehova wayesethi kuMose naku-Aroni: Lokhu kungumthetho wephasika: owezizwe makangalidli;

44 Porém todo escravo comprado por dinheiro, depois de o teres circuncidado, comerá dela.

44kepha zonke izigqila ezithengwa ngumuntu ngemali mazilidle, uma zisokiwe.

45 O estrangeiro e o assalariado não comerão dela.

45Izihambi noqashiweyo mabangalidli.

[46] O cordeiro há de ser comido numa só casa; da sua carne não levareis fora da casa, nem lhe quebrareis osso nenhum.

[47] Toda a congregação de Israel o fará.

[48] Porém, se algum estrangeiro se hospedar contigo e quiser celebrar a Páscoa do SENHOR, seja-lhe circuncidado todo macho; e, então, se chegará, e a observará, e será como o natural da terra; mas nenhum incircunciso comerá dela.

[49] A mesma lei haja para o natural e para o forasteiro que peregrinar entre vós.

[50] Assim fizeram todos os filhos de Israel; como o SENHOR ordenara a Moisés e a Arão, assim fizeram.

[51] Naquele mesmo dia, tirou o SENHOR os filhos de Israel do Egito, segundo as suas turmas.

Êxodo 13

Consagração dos primogênitos

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Consagra-me todo primogênito; todo que abre a madre de sua mãe entre os filhos de Israel, tanto de homens como de animais, é meu.

[3] Disse Moisés ao povo: Lembrai-vos deste mesmo dia, em que saístes do Egito, da casa da servidão; pois com mão forte o SENHOR vos tirou de lá; portanto, não comereis pão levedado.

[4] Hoje, mês de abibe, estais saindo.

[46] Liyakudliwa endlini inye; ungaphumisi lutho lwenyama ngaphandle kwendlu; ningaphuli thambo lalo.

[47]Ibandla lonke lakwa-Israyeli liyakukugcina lokhu.

[48] Nxa umfokazi ogogobeleyo kuwe ezakumgcinela uJehova iphasika, mabasoke bonke abesilisa bakhe, asondele aligcine, abe njengowokuzalwa ezweni; kepha malingadliwa muntu ongasokiwe.

[49]Mawube munye umthetho kowokuzalwa ekhaya nakumfokazi ogogobeleyo phakathi kwenu.

[50]Benza kanjalo bonke abantwana bakwa-Israyeli; njengalokho ebayalile oMose no-Aroni, benze njalo-ke.

[51]Kwathi ngalona lolo suku uJehova wakhipha abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe ngamabandla abo.

U-Eksodusi 13

Amazibulo ayahlukaniselwa uJehova

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Ngahlukanisele onke amazibulo, konke okuvula isizalo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, kubantu nasezinkomeni; kungokwami.

[3]UMose wayesethi kubantu: Khumbulani lolu suku eniphume ngalo eGibithe, indlu yobugqila, ngokuba ngesandla esinamandla uJehova unikhiphile kule ndawo: akuyikudliwa sinkwa esivutshelweyo.

[4]Namuhla niyaphuma, ngenyanga ka-Abibi.

[5] Quando o SENHOR te houver introduzido na terra dos cananeus, e dos heteus, e dos amorreus, e dos heveus, e dos jebuseus, a qual jurou a teus pais te dar, terra que mana leite e mel, guardarás este rito neste mês.

[5] Kuyakuthi nxa uJehova ekungenisile ezweni lamaKhanani, nelamaHeti, nelama-Amori, nelamaHivi, nelamaJebusi alifungela koyihlo ukukunika lona, izwe elivama ubisi nezinyosi, uyakugcina le nkonzo kule nyanga.

[6] Sete dias comerás pães asmos; e, ao sétimo dia, haverá solenidade ao SENHOR.

[6] Izinsuku eziyisikhombisa uyakudla isinkwa esingenamvubelo, ngolwesikhombisa kube khona umkhosi kaJehova.

[7] Sete dias se comerão pães asmos, e o levedado não se encontrará contigo, nem ainda fermento será encontrado em todo o teu território.

[7]Isinkwa esingenamvubelo siyakudliwa izinsuku eziyisikhombisa; akuyikubonakala sinkwa esivutshelweyo kuwe, kungabonwa namvubelo ezweni lakho lonke.

[8] Naquele mesmo dia, contarás a teu filho, dizendo: É isto pelo que o SENHOR me fez, quando saí do Egito.

[8]Uzakutshela indodana yakho ngalolo suku, uthi: Kungenxa yalokho uJehova angenzela khona ekuphumeni kwami eGibithe.

[9] E será como sinal na tua mão e por memorial entre teus olhos; para que a lei do SENHOR esteja na tua boca; pois com mão forte o SENHOR te tirou do Egito.

[9] Kuyakuba luphawu kuwe esandleni sakho, kube yisikhumbuzo phakathi kwamehlo akho, ukuze umthetho kaJehova ube semlonyeni wakho, ngokuba ngesandla esinamandla uJehova wakukhipha eGibithe.

[10] Portanto, guardarás esta ordenança no determinado tempo, de ano em ano.

[10]Ngakho uyakuwugcina lo mthetho ngesikhathi sawo iminyaka ngeminyaka.

[11] Quando o SENHOR te houver introduzido na terra dos cananeus, como te jurou a ti e a teus pais, quando ta houver dado,

[11] Kuyakuthi lapho uJehova esezakukungenisa ezweni lamaKhanani, njengalokho wafunga kuwe nakoyihlo, akuphe lona,

[12] apartarás para o SENHOR todo que abrir a madre e todo primogênito dos animais que tiveres; os machos serão do SENHOR.

[12] wodlulisela kuJehova konke okuvula isizalo nawo onke amazibulo ezinkomo onawo; amaduna onke azakuba ngakaJehova.

[13] Porém todo primogênito da jumenta resgatarás com cordeiro; se o não resgatares, será desnucado; mas todo primogênito do homem entre teus filhos resgatarás.

[14] Quando teu filho amanhã te perguntar: Que é isso? Responder-lhe-ás: O SENHOR com mão forte nos tirou da casa da servidão.

[15] Pois sucedeu que, endurecendo-se Faraó para não nos deixar sair, o SENHOR matou todos os primogênitos na terra do Egito, desde o primogênito do homem até ao primogênito dos animais; por isso, eu sacrifico ao SENHOR todos os machos que abrem a madre; porém a todo primogênito de meus filhos eu resgato.

[16] E isto será como sinal na tua mão e por frontais entre os teus olhos; porque o SENHOR com mão forte nos tirou do Egito.

Deus guia o povo pelo caminho

[17] Tendo Faraó deixado ir o povo, Deus não o levou pelo caminho da terra dos filisteus, posto que mais perto, pois disse: Para que, porventura, o povo não se arrependa, vendo a guerra, e torne ao Egito.

[18] Porém Deus fez o povo rodear pelo caminho do deserto perto do mar Vermelho; e, arregimentados, subiram os filhos de Israel do Egito.

[13]Onke amazibulo ezimbongolo wowahlenga ngewundlu; uma ungawahlengi, wowaphula intamo; amazibulo onke abantu kumadodana akho wowahlenga.

[14] Kuyakuthi lapho indodana yakho ikubuza ngesikhathi esizayo, ithi: Kuyini lokhu? wothi kuyo: Ngesandla esinamandla uJehova wasikhipha eGibithe, indlu yobugqila.

[15]Kwathi uFaro evuma kalukhuni ukuba sihambe, uJehova wabulala amazibulo onke asezweni laseGibithe, amazibulo abantu namazibulo ezinkomo; ngalokho ngiyahlabela uJehova konke okuvula isizalo okungamaduna; kepha onke amazibulo amadodana ami ngiyawahlenga.

[16]Kuyakuba luphawu esandleni sakho nesikhumbuzo phakathi kwamehlo akho, ngokuba ngesandla esinamandla uJehova wasikhipha eGibithe.

Ukuhamba kwabakwa-Israyeli ukuya eLwandle Olubomvu

[17]Kwathi uFaro esebavumele abantu ukuba bahambe, uNkulunkulu akabaholanga ngendlela yasezweni lamaFilisti, noma kwakuyiyona eseduze; ngokuba uNkulunkulu wathi: Funa mhlawumbe abantu bazisole, nxa bebona impi, babuyele eGibithe.

[18]Kepha uNkulunkulu wabagwegwisa abantu ngendlela yasehlane ngaseLwandle Olubomvu; abantwana bakwa-Israyeli bakhuphuka ezweni laseGibithe behlomile.

[19] Também levou Moisés consigo os ossos de José, pois havia este feito os filhos de Israel jurarem solenemente, dizendo: Certamente, Deus vos visitará; daqui, pois, levai convosco os meus ossos.

[20] Tendo, pois, partido de Sucote, acamparam-se em Etã, à entrada do deserto.

[21] O SENHOR ia adiante deles, durante o dia, numa coluna de nuvem, para os guiar pelo caminho; durante a noite, numa coluna de fogo, para os alumiar, a fim de que caminhassem de dia e de noite.

[22] Nunca se apartou do povo a coluna de nuvem durante o dia, nem a coluna de fogo durante a noite.

Êxodo 14

Perseguição de Israel

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Fala aos filhos de Israel que retrocedam e se acampem defronte de Pi-Hairote, entre Migdol e o mar, diante de Baal-Zefom; em frente dele vos acampareis junto ao mar.

[3] Então, Faraó dirá dos filhos de Israel: Estão desorientados na terra, o deserto os encerrou.

[4] Endurecerei o coração de Faraó, para que os persiga, e serei glorificado em Faraó e em todo o seu exército; e saberão os egípcios que eu sou o SENHOR. Eles assim o fizeram.

[19] UMose wathatha amathambo kaJosefa, wahamba nawo, ngokuba wayebafungisile nokubafungisa abakwa-Israyeli, ethi: Impela uNkulunkulu uyakunihambela nokunihambela, nikhuphule lapha amathambo ami kanye nani.

[20] Basuka eSukoti; baya bamisa e-Etamu eceleni kwehlane.

[21]UJehova wahamba phambi kwabo emini ngensika yefu eyobahola endleleni, nasebusuku ngensika yomlilo eyobakhanyisela ukuba bahambe imini nobusuku.

[22]Insika yefu emini nensika yomlilo ebusuku ayisukanga ebusweni babantu.

U-Eksodusi 14

Ukubhubha kwabaseGibithe eLwandle Olubomvu

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yisho kwabakwa-Israyeli ukuba babuyele emuva, bamise ngaphambi kwePhi Hahiroti, ngaphakathi kweMigidoli nolwandle, phambi kweBali Sefoni; anomisa ngaselwandle, nibhekane nalo.

[3]UFaro uyakuthi ngabantwana bakwa-Israyeli: Badidekile ezweni, ihlane libavalele.

[4]Ngiyakuyenza lukhuni inhliziyo kaFaro, abalandele; ngiyakudunyiswa ngoFaro nangebandla lakhe lonke; abaseGibithe bayakwazi ukuthi nginguJehova. Benze njalo-ke.

[5] Sendo, pois, anunciado ao rei do Egito que o povo fugia, mudou-se o coração de Faraó e dos seus oficiais contra o povo, e disseram: Que é isto que fizemos, permitindo que Israel nos deixasse de servir?

[6] E aprontou Faraó o seu carro e tomou consigo o seu povo;

[7] e tomou também seiscentos carros escolhidos e todos os carros do Egito com capitães sobre todos eles.

[8] Porque o SENHOR endureceu o coração de Faraó, rei do Egito, para que perseguisse os filhos de Israel; porém os filhos de Israel saíram afoitamente.

[9] Perseguiram-nos os egípcios, todos os cavalos e carros de Faraó, e os seus cavalarianos, e o seu exército e os alcançaram acampados junto ao mar, perto de Pi-Hairote, defronte de Baal-Zefom.

[10] E, chegando Faraó, os filhos de Israel levantaram os olhos, e eis que os egípcios vinham atrás deles, e temeram muito; então, os filhos de Israel clamaram ao SENHOR.

[11] Disseram a Moisés: Será, por não haver sepulcros no Egito, que nos tiraste de lá, para que morramos neste deserto? Por que nos trataste assim, fazendo-nos sair do Egito?

[12] Não é isso o que te dissemos no Egito: deixa-nos, para que sirvamos os egípcios?

[5]Inkosi yaseGibithe yabikelwa ukuthi abantu sebebalekile; inhliziyo kaFaro neyezinceku zakhe yabaguqukela abantu, bathi: Yini lokhu esikwenzileyo, sabavumela abakwa-Israyeli ukuba bahambe, bangasikhonzi, na?

[6]Wabophela inqola yakhe, wahamba nabantu bakhe.

[7]Wathatha izinqola ezingamakhulu ayisithupha ezikhethiweyo, nezinqola zonke zaseGibithe, nezinduna zazo zonke.

[8] UJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro inkosi yaseGibithe; waxosha abakwa-Israyeli; ngokuba abantwana bakwa-Israyeli baphuma ngesandla esiphakamileyo.

[9]AbaseGibithe babaxosha, amahhashi onke, nezinqola zikaFaro, nabamahhashi bakhe, nempi yakhe, babafica bemise ngaselwandle ngasePhi Hahiroti ngaphambi kweBali Sefoni.

[10]UFaro esesondela, abantwana bakwa-Israyeli baphakamisa amehlo abo; bheka, abaseGibithe babebalandela; base besaba kakhulu; abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova.

[11] Bathi kuMose: Kungokuba kwakungekho mathuna eGibithe usikhiphile ukuba sifele ehlane na? Usenzeleni lokhu, wasikhipha eGibithe, na?

[12]Leli alisilo izwi esalikhuluma kuwe eGibithe, sithi: Siyeke, sikhonze abaseGibithe, na? Ngokuba bekuyakuba

Pois melhor nos fora servir aos egípcios do que morrermos no deserto.

ngcono kithi ukubakhonza abaseGibithe kunokuba sifele ehlane.

13 Moisés, porém, respondeu ao povo: Não temais; aquietai-vos e vede o livramento do SENHOR que, hoje, vos fará; porque os egípcios, que hoje vedes, nunca mais os tornareis a ver.

13UMose wathi kubantu: Ningesabi; qinani, nibone ukusindisa kukaJehova azakunenzela khona namuhla, ngokuba abaseGibithe enibabonile namuhla anisayikubuye nibabone naphakade.

14 O SENHOR pelejará por vós, e vós vos calareis.

14 UJehova uzakunilwela, nothula nina.

A passagem pelo meio do mar

15 Disse o SENHOR a Moisés: Por que clamas a mim? Dize aos filhos de Israel que marchem.

15UJehova wayesethi kuMose: Ukhalelani kimi na? Yisho kubantwana bakwa-Israyeli ukuba bahambe.

16 E tu, levanta o teu bordão, estende a mão sobre o mar e divide-o, para que os filhos de Israel passem pelo meio do mar em seco.

16Phakamisa wena induku yakho, welule isandla sakho phezu kolwandle, ulwahlukanise; abantwana bakwa-Israyeli bazakuhamba phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo.

17 Eis que endurecerei o coração dos egípcios, para que vos sigam e entrem nele; serei glorificado em Faraó e em todo o seu exército, nos seus carros e nos seus cavalarianos;

17Bheka, mina ngiyakuzenza lukhuni izinhliziyo zabaseGibithe, babalandele; ngizakudunyiswa ngoFaro nangempi yakhe yonke, ngezinqola zakhe nangabamahhashi bakhe.

18 e os egípcios saberão que eu sou o SENHOR, quando for glorificado em Faraó, nos seus carros e nos seus cavalarianos.

18AbaseGibithe bazakwazi ukuthi nginguJehova, nxa ngidunyisiwe ngoFaro, ngezinqola zakhe nangabamahhashi bakhe.

19 Então, o Anjo de Deus, que ia adiante do exército de Israel, se retirou e passou para trás deles; também a coluna de nuvem se retirou de diante deles, e se pôs atrás deles,

19Ingelosi kaNkulunkulu eyayihambile phambi kwempi ka-Israyeli yasuka yahamba emva kwabo, nensika yefu yasuka phambi kwabo, yema emva kwabo.

20 e ia entre o campo dos egípcios e o campo de Israel; a nuvem era escuridade para aqueles e para este esclarecia a noite;

20Yafika phakathi kwempi yaseGibithe nempi yakwa-Israyeli; kwakukhona ifu nobumnyama, noma ikhanya ebusuku,

de maneira que, em toda a noite, este e aqueles não puderam aproximar-se.

ukuze izimpi zingakwazi ukusondelana ubusuku bonke.

[21] Então, Moisés estendeu a mão sobre o mar, e o SENHOR, por um forte vento oriental que soprou toda aquela noite, fez retirar-se o mar, que se tornou terra seca, e as águas foram divididas.

[21] UMose wayeselula isandla sakhe phezu kolwandle; uJehova wamukisa amanzi ngomoya onamandla wasempumalanga ubusuku bonke, waphendula ulwandle lwaba ngumhlabathi owomileyo, amanzi ahlukana.

[22] Os filhos de Israel entraram pelo meio do mar em seco; e as águas lhes foram qual muro à sua direita e à sua esquerda.

[22] Abantwana bakwa-Israyeli bangena phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo; amanzi aba lugange kubo ngakwesokunene nangakwesokhohlo.

[23] Os egípcios que os perseguiam entraram atrás deles, todos os cavalos de Faraó, os seus carros e os seus cavalarianos, até ao meio do mar.

[23]AbaseGibithe babaxosha, bangena emva kwabo ngaphakathi kolwandle, namahhashi onke kaFaro, nezinqola zakhe, nabamahhashi bakhe.

[24] Na vigília da manhã, o SENHOR, na coluna de fogo e de nuvem, viu o acampamento dos egípcios e alvorotou o acampamento dos egípcios;

[24]Kwathi ngomlindo wokusa uJehova walunguza impi yabaseGibithe, esensikeni yomlilo neyefu, wayidunga impi yabaseGibithe.

[25] emperrou-lhes as rodas dos carros e fê-los andar dificultosamente. Então, disseram os egípcios: Fujamos da presença de Israel, porque o SENHOR peleja por eles contra os egípcios.

[25]Wawisa amasondo ezinqola ukuba bahambise kalukhuni, baze bathi abaseGibithe: Masibaleke ebusweni buka-Israyeli, ngokuba uJehova uyabalwela emelene nabaseGibithe.

Os egípcios perecem no mar

[26] Disse o SENHOR a Moisés: Estende a mão sobre o mar, para que as águas se voltem sobre os egípcios, sobre os seus carros e sobre os seus cavalarianos.

[26]Wayesethi uJehova kuMose: Yelula isandla sakho phezu kolwandle ukuba amanzi abuyele phezu kwabaseGibithe, phezu kwezinqola zabo nabamahhashi babo.

[27] Então, Moisés estendeu a mão sobre o mar, e o mar, ao romper da manhã, retomou a sua força; os egípcios, ao fugirem, foram de encontro a ele, e o

[27]UMose wayeselula isandla sakhe phezu kolwandle, ulwandle lwabuyela endaweni yalo ngokufika kokusa; abaseGibithe balubalekela; uJehova wabathuntuthela abaseGibithe phakathi kolwandle.

SENHOR derribou os egípcios no meio do mar.

[28] E, voltando as águas, cobriram os carros e os cavalarianos de todo o exército de Faraó, que os haviam seguido no mar; nem ainda um deles ficou.

[29] Mas os filhos de Israel caminhavam a pé enxuto pelo meio do mar; e as águas lhes eram quais muros, à sua direita e à sua esquerda.

[30] Assim, o SENHOR livrou Israel, naquele dia, da mão dos egípcios; e Israel viu os egípcios mortos na praia do mar.

[31] E viu Israel o grande poder que o SENHOR exercitara contra os egípcios; e o povo temeu ao SENHOR e confiou no SENHOR e em Moisés, seu servo.

[28] Amanzi abuyela, asibekela izinqola, nabamahhashi, nayo yonke impi kaFaro eyangena elwandle emva kwazo; akwasala noyedwa kubo.

[29]Kepha abantwana bakwa-Israyeli bahamba emhlabathini owomileyo phakathi kolwandle; amanzi aba lugange kubo ngakwesokunene nangakwesokhohlo.

[30]Kanjalo uJehova wasindisa u-Israyeli esandleni sabaseGibithe; u-Israyeli wababona abaseGibithe befile ogwini lolwandle.

[31]U-Israyeli wabona umsebenzi omkhulu uJehova awenzile phezu kwabaseGibithe; abantu base bemesaba uJehova, bakholwa nguJehova nenceku yakhe uMose.

Êxodo 15

O cântico de Moisés

[1] Então, entoou Moisés e os filhos de Israel este cântico ao SENHOR, e disseram: Cantarei ao SENHOR, porque triunfou gloriosamente; lançou no mar o cavalo e o seu cavaleiro.

[2] O SENHOR é a minha força e o meu cântico; ele me foi por salvação; este é o meu Deus; portanto, eu o louvarei; ele é o Deus de meu pai; por isso, o exaltarei.

[3] O SENHOR é homem de guerra; SENHOR é o seu nome.

[4] Lançou no mar os carros de Faraó e o seu exército; e os seus capitães afogaram-se no mar Vermelho.

U-Eksodusi 15

Ihubo lokudumisa kuka-Israyeli

[1]Base behlabelela uMose nabantwana bakwa-Israyeli leli gama, bekhuluma bethi: Ngizakuhlabelela kuJehova, ngokuba uphakeme kakhulu; ihhashi nenkweli yalo ukuphonse elwandle.

[2] UJehova ungamandla ami nehubo lami; waba yinsindiso kimi; unguNkulunkulu wami: ngizakumdumisa, noNkulunkulu kababa: ngizakumphakamisa.

[3] UJehova uyindoda yempi; nguJehova igama lakhe.

[4]Izinqola zikaFaro nempi yakhe ukuphonse elwandle; izinduna zakhe

5 Os vagalhões os cobriram; desceram às profundezas como pedra.

6 A tua destra, ó SENHOR, é gloriosa em poder; a tua destra, ó SENHOR, despedaça o inimigo.

7 Na grandeza da tua excelência, derribas os que se levantam contra ti; envias o teu furor, que os consome como restolho.

8 Com o resfolgar das tuas narinas, amontoaram-se as águas, as correntes pararam em montão; os vagalhões coalharam-se no coração do mar.

9 O inimigo dizia: Perseguirei, alcançarei, repartirei os despojos; a minha alma se fartará deles, arrancarei a minha espada, e a minha mão os destruirá.

10 Sopraste com o teu vento, e o mar os cobriu; afundaram-se como chumbo em águas impetuosas.

11 Ó SENHOR, quem é como tu entre os deuses? Quem é como tu, glorificado em santidade, terrível em feitos gloriosos, que operas maravilhas?

12 Estendeste a destra; e a terra os tragou.

13 Com a tua beneficência guiaste o povo que salvaste; com a tua força o levaste à habitação da tua santidade.

14 Os povos o ouviram, eles estremeceram; agonias apoderaram-se dos habitantes da Filístia.

15 Ora, os príncipes de Edom se perturbam, dos poderosos de Moabe se apodera

ezikhethiweyo zaminza eLwandle Olubomvu.

5Izintwa ziyabasibekela; bashona ezinzulwini njengetshe.

6 Isandla sakho sokunene, Nkosi, sidumisekile ngamandla aso; esokunene sakho, Nkosi, siyaphahlaza isitha.

7Ngobukhulu bobukhosi bakho uyachitha abakuvukelayo; uyathuma intukuthelo yakho, ibaqede njengamabibi.

8Ngokufutha kwamakhala akho amanzi anqwabeleka; izifufula zema njengenqwaba, amadlambi ashuqa phakathi kolwandle.

9 Isitha sathi: Ngiyakubaxosha, ngibafice, ngahlukanise impango, inhliziyo yami idele ngabo; ngiyakuhosha inkemba yami, isandla sami sibachithe.

10Waphephetha ngomoya wakho, ulwandle lwabasibekela; baminzisa okomthofu emanzini anamandla.

11 Ngubani onjengawe Jehova phakathi kwawonkulunkulu; ngubani onjengawe okhazimula ngobungcwele, owesabeka ngezibongo, owenza izimangaliso, na?

12Welula isandla sakho sokunene, umhlaba wabagwinya.

13 Ngomusa wakho wabahola abantu obahlengileyo; ngamandla akho wabayisa endlini yakho engcwele.

14 Izizwe zizwile; ziyakuthuthumela; abakhe eFilistiya behlelwe luvalo.

15Khona aphaphatheka amakhosi akwa-Edomi; izikhulu zakwaMowabi zabanjwa

temor, esmorecem todos os habitantes de Canaã.

16 Sobre eles cai espanto e pavor; pela grandeza do teu braço, emudecem como pedra; até que passe o teu povo, ó SENHOR, até que passe o povo que adquiriste.

17 Tu o introduzirás e o plantarás no monte da tua herança, no lugar que aparelhaste, ó SENHOR, para a tua habitação, no santuário, ó SENHOR, que as tuas mãos estabeleceram.

18 O SENHOR reinará por todo o sempre.

19 Porque os cavalos de Faraó, com os seus carros e com os seus cavalarianos, entraram no mar, e o SENHOR fez tornar sobre eles as águas do mar; mas os filhos de Israel passaram a pé enxuto pelo meio do mar.

Antífona de Miriã e das mulheres

20 A profetisa Miriã, irmã de Arão, tomou um tamborim, e todas as mulheres saíram atrás dela com tamborins e com danças.

21 E Miriã lhes respondia: Cantai ao SENHOR, porque gloriosamente triunfou e precipitou no mar o cavalo e o seu cavaleiro.

As águas amargas tornam-se doces

22 Fez Moisés partir a Israel do mar Vermelho, e saíram para o deserto de Sur; caminharam três dias no deserto e não acharam água.

yitwetwe; bonke abakhe eKhanani baphelile amandla.

16Bayehlelwa luvalo nokwesaba; ngokobukhulu bengalo yakho bathulisa okwetshe, baze bawele abantu bakho, Jehova, baze bawele abantu bakho obathengileyo.

17 Uzakubangenisa, ubatshale entabeni yefa lakho, indawo ozenzele yona, Jehova, ukuba uhlale kuyo, indlu engcwele, Nkosi, eziyimisile izandla zakho.

18 UJehova uyakubusa kuze kube phakade.

19Ngokuba amahhashi kaFaro angena elwandle kanye nezinqola zakhe nabamahhashi bakhe, uJehova wabuyisela amanzi olwandle phezu kwabo; kepha abantwana bakwa-Israyeli bahamba emhlabathini owomileyo ngaphakathi kolwandle.

20UMiriyamu umprofethikazi, udadewabo ka-Aroni, waphatha isigubhu ngesandla sakhe; bonke abesifazane baphuma emva kwakhe bephethe izigubhu, besina.

21UMiriyamu wabaphendula ngokuthi: Hlabelelani kuJehova, ngokuba uphakeme kakhulu; ihhashi nenkweli yalo ukuphonse elwandle.

Amanzi ababayo aseMara

22 UMose wayesebahola abakwa-Israyeli besuka eLwandle Olubomvu, baya ehlane laseShuri; bahamba ehlane izinsuku ezintathu bengafumani manzi.

[23] Afinal, chegaram a Mara; todavia, não puderam beber as águas de Mara, porque eram amargas; por isso, chamou-se-lhe Mara.

[24] E o povo murmurou contra Moisés, dizendo: Que havemos de beber?

[25] Então, Moisés clamou ao SENHOR, e o SENHOR lhe mostrou uma árvore; lançou-a Moisés nas águas, e as águas se tornaram doces. Deu-lhes ali estatutos e uma ordenação, e ali os provou,

[26] e disse: Se ouvires atento a voz do SENHOR, teu Deus, e fizeres o que é reto diante dos seus olhos, e deres ouvido aos seus mandamentos, e guardares todos os seus estatutos, nenhuma enfermidade virá sobre ti, das que enviei sobre os egípcios; pois eu sou o SENHOR, que te sara.

[27] Então, chegaram a Elim, onde havia doze fontes de água e setenta palmeiras; e se acamparam junto das águas.

Êxodo 16

Deus manda o maná

[1] Partiram de Elim, e toda a congregação dos filhos de Israel veio para o deserto de Sim, que está entre Elim e Sinai, aos quinze dias do segundo mês, depois que saíram da terra do Egito.

[2] Toda a congregação dos filhos de Israel murmurou contra Moisés e Arão no deserto;

[23]Sebefika eMara babengenakuphuza amanzi aseMara, lokhu ayebaba; ngalokho igama lalo lathiwa iMara.

[24]Abantu bakhonona ngoMose, bathi: Siyakuphuzani na?

[25]Wayesekhala kuJehova; uJehova wambonisa umuthi; wawuphonsa emanzini, amanzi aba mtoti. Wabamisela khona isimiso nomthetho; wabavivinya lapho,

[26] wathi: Uma ulalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, ukwenze okulungile emehlweni akhe, ulalele imiyalo yakhe, ugcine izimiso zakhe zonke, angiyikubeka phezu kwakho nasinye salezo zifo engizibeke phezu kwabaseGibithe, ngokuba nginguJehova okuphilisayo.

Ukufika kwabakwa-Israyeli e-Elimi

[27] Bafika e-Elimi, lapho kwakukhona imithombo eyishumi nambili yamanzi namasundu angamashumi ayisikhombisa; bamisa khona ngasemanzini.

U-Eksodusi 16

Ukukhonona kwabakwa-Israyeli ehlane laseSini

[1] Basuka e-Elimi; ibandla lonke labantwana bakwa-Israyeli lafika ehlane laseSini eliphakathi kwe-Elimi neSinayi ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yesibili emva kokuphuma ezweni laseGibithe.

[2]Lonke ibandla labantwana bakwa-Israyeli lakhonona ngoMose nango-Aroni ehlane.

[3] disseram-lhes os filhos de Israel: Quem nos dera tivéssemos morrido pela mão do SENHOR, na terra do Egito, quando estávamos sentados junto às panelas de carne e comíamos pão a fartar! Pois nos trouxestes a este deserto, para matardes de fome toda esta multidão.

[3] Abantwana bakwa-Israyeli bathi kubo: Sengathi nga safa ngesandla sikaJehova ezweni laseGibithe, lapho sasihlezi ngasemakhanzini enyama, sidla isinkwa sisutha, ngokuba nisiphumisele kuleli hlane ukuyobulala lonke leli bandla ngendlala.

Abantu basuthiswa ngezigwaca nangemana*

[4] Então, disse o SENHOR a Moisés: Eis que vos farei chover do céu pão, e o povo sairá e colherá diariamente a porção para cada dia, para que eu ponha à prova se anda na minha lei ou não.

[4]UJehova wayesethi kuMose: Bheka, ngizakuninisela isinkwa esivela ezulwini; abantu bayakuphuma, babuthe isabelo sosuku imihla ngemihla, ukuze ngibavivinye ukuthi bazakuhamba yini emthethweni wami noma qha.

[5] Dar-se-á que, ao sexto dia, prepararão o que colherem; e será o dobro do que colhem cada dia.

[5]Kuzakuthi ngosuku lwesithupha bakulungise abakungenisileyo; kuzakuba ngokuphindwe kabili kwalokhu abakubutha imihla ngemihla.

[6] Então, disse Moisés e Arão a todos os filhos de Israel: à tarde, sabereis que foi o SENHOR quem vos tirou da terra do Egito,

[6]OMose no-Aroni bathi kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli: Ngakusihlwa niyakwazi ukuthi uJehova unikhiphile ezweni laseGibithe.

[7] e, pela manhã, vereis a glória do SENHOR, porquanto ouviu as vossas murmurações; pois quem somos nós, para que murmureis contra nós?

[7]Kusasa niyakubona inkazimulo kaJehova, lokhu ezwile izinkonono zenu ngoJehova; thina siyini ukuba nikhonone ngathi na?

[8] Prosseguiu Moisés: Será isso quando o SENHOR, à tarde, vos der carne para comer e, pela manhã, pão que vos farte, porquanto o SENHOR ouviu as vossas murmurações, com que vos queixais contra ele; pois quem somos nós? As vossas murmurações não são contra nós, e sim contra o SENHOR.

[8]UMose wathi: Lokhu kuzakwenzeka, lapho uJehova eyakuninika inyama kusihlwa ukuba nidle, nasekuseni isinkwa ukuze nisuthe; ngokuba uJehova uyezwa izinkonono zenu enikhonona ngaye ngazo; thina siyini? Izinkonono zenu azingathi, zingoJehova.

[9] Disse Moisés a Arão: Dize a toda a congregação dos filhos de Israel: Chegai-

[9]UMose wathi ku-Aroni: Yisho kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli

vos à presença do SENHOR, pois ouviu as vossas murmurações.

[10] Quando Arão falava a toda a congregação dos filhos de Israel, olharam para o deserto, e eis que a glória do SENHOR apareceu na nuvem.

Deus manda codornizes

[11] E o SENHOR disse a Moisés:

[12] Tenho ouvido as murmurações dos filhos de Israel; dize-lhes: Ao crepúsculo da tarde, comereis carne, e, pela manhã, vos fartareis de pão, e sabereis que eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[13] À tarde, subiram codornizes e cobriram o arraial; pela manhã, jazia o orvalho ao redor do arraial.

[14] E, quando se evaporou o orvalho que caíra, na superfície do deserto restava uma coisa fina e semelhante a escamas, fina como a geada sobre a terra.

[15] Vendo-a os filhos de Israel, disseram uns aos outros: Que é isto? Pois não sabiam o que era. Disse-lhes Moisés: Isto é o pão que o SENHOR vos dá para vosso alimento.

[16] Eis o que o SENHOR vos ordenou: Colhei disso cada um segundo o que pode comer, um gômer por cabeça, segundo o número de vossas pessoas; cada um tomará para os que se acharem na sua tenda.

[17] Assim o fizeram os filhos de Israel; e colheram, uns, mais, outros, menos.

[18] Porém, medindo-o com o gômer, não sobejava ao que colhera muito, nem

ukuthi: Sondelani phambi kukaJehova, ngokuba uzwile izinkonono zenu.

[10] Kwathi u-Aroni esakhuluma kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, babheka ngasehlane; bheka, inkazimulo kaJehova yabonakala efwini.

[11]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[12] Ngizwile izinkonono zabantwana bakwa-Israyeli; khuluma kubo, uthi: Ngakusihlwa niyakudla inyama, kusasa nisuthe isinkwa, nize nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu.

[13]Kwathi kusihlwa kwenyuka izigwaca, zasibekela ikamu; ngakusasa kwakulele amazolo ekamu nxazonke.

[14] Esenyukile amazolo akade elele khona, bheka, nakho okuthile okuncane okunjengenkwethu, kuncane njengongqoqwane emhlabathini.

[15]Bakubona abantwana bakwa-Israyeli, bathi omunye komunye: Yini le? ngokuba babengazi ukuthi kuyini. UMose wathi kubo: Kuyisinkwa uJehova aninike sona ukuba nisidle.

[16]Lokhu kuyikho uJehova ayalile ngakho ukuthi: Kubutheni, kube yilowo nalowo njengokudla kwakhe; anothatha iyomere ngomuntu ngokwenani labantu benu, yilowo nalowo abathathele abasetendeni lakhe.

[17]Abantwana bakwa-Israyeli benze njalo: abanye babutha okuningi abanye okuyingcosana.

[18] Lapho sebelinganisa ngeyomere, yena owayebuthe okuningi akabanga

faltava ao que colhera pouco, pois colheram cada um quanto podia comer.

[19] Disse-lhes Moisés: Ninguém deixe dele para a manhã seguinte.

[20] Eles, porém, não deram ouvidos a Moisés, e alguns deixaram do maná para a manhã seguinte; porém deu bichos e cheirava mal. E Moisés se indignou contra eles.

[21] Colhiam-no, pois, manhã após manhã, cada um quanto podia comer; porque, em vindo o calor, se derretia.

O povo de Israel recolhe o maná

[22] Ao sexto dia, colheram pão em dobro, dois gômeres para cada um; e os principais da congregação vieram e contaram-no a Moisés.

[23] Respondeu-lhes ele: Isto é o que disse o SENHOR: Amanhã é repouso, o santo sábado do SENHOR; o que quiserdes cozer no forno, cozei-o, e o que quiserdes cozer em água, cozei-o em água; e tudo o que sobrar separai, guardando para a manhã seguinte.

[24] E guardaram-no até pela manhã seguinte, como Moisés ordenara; e não cheirou mal, nem deu bichos.

[25] Então, disse Moisés: Comei-o hoje, porquanto o sábado é do SENHOR; hoje, não o achareis no campo.

[26] Seis dias o colhereis, mas o sétimo dia é o sábado; nele, não haverá.

nokuseleyo, nowayebuthe okuyingcosana akaswelanga. Yilowo nalowo wabutha njengokudla kwakhe.

[19]UMose wayesethi kubo: Makungashiywa lutho kukho ngumuntu kuze kuse.

[20]Kodwa abamlalelanga uMose; abanye kubo bashiya okunye kwaze kwasa, kwazala izimpethu, kwanuka, uMose waze wabathukuthelela.

[21]Bakubutha ekuseni njalo imihla ngemihla, kwaba yilowo nalowo muntu njengokudla kwakhe; kepha nxa ilanga selibalele, kwancibilika.

[22]Kwathi ngosuku lwesithupha babutha isinkwa esiphindwe kabili, amayomere amabili kumuntu munye; zonke izinduna zomhlangano zafika, zamtshela uMose.

[23]Wathi kuzo: Lokhu kuyikho uJehova akukhulumileyo: kusasa kulusuku lokuphumula, isabatha elingcwele likaJehova; yosani lokho eniyakukosa, nipheke lokho eniyakukupheka, nizibekele konke okuseleyo, kulondolozwe kuze kuse.

[24]Bakubeka kwaze kwasa, njengalokho eyalile uMose; akunukanga, akwaba nampethu.

[25]Wayesethi uMose: Yidlani lokhu namuhla, ngokuba namuhla kuyisabatha likaJehova; namuhla aniyikukuthola endle.

[26]Anokubutha izinsuku eziyisithupha, kepha ngosuku lwesikhombisa kuyisabatha; akuyikubakho ngalo.

[27] Ao sétimo dia, saíram alguns do povo para o colher, porém não o acharam.

[28] Então, disse o SENHOR a Moisés: Até quando recusareis guardar os meus mandamentos e as minhas leis?

[29] Considerai que o SENHOR vos deu o sábado; por isso, ele, no sexto dia, vos dá pão para dois dias; cada um fique onde está, ninguém saia do seu lugar no sétimo dia.

[30] Assim, descansou o povo no sétimo dia.

[31] Deu-lhe a casa de Israel o nome de maná; era como semente de coentro, branco e de sabor como bolos de mel.

[32] Disse Moisés: Esta é a palavra que o SENHOR ordenou: Dele encherás um gômer e o guardarás para as vossas gerações, para que vejam o pão com que vos sustentei no deserto, quando vos tirei do Egito.

[33] Disse também Moisés a Arão: Toma um vaso, mete nele um gômer cheio de maná e coloca-o diante do SENHOR, para guardar-se às vossas gerações.

[34] Como o SENHOR ordenara a Moisés, assim Arão o colocou diante do Testemunho para o guardar.

[35] E comeram os filhos de Israel maná quarenta anos, até que entraram em terra

[27]Kwathi ngosuku lwesikhombisa kwaphuma abanye abantu ukuba bakubuthe, kepha kabakutholanga.

[28]UJehova wathi kuMose: Niyakwala kuze kube nini ukugcina imiyalo yami nemithetho yami na?

[29]Bhekani, njengalokho uJehova eniphile isabatha, ngalokho uyaninika ngosuku lwesithupha isinkwa sezinsuku ezimbili; hlalani, kube yilowo nalowo endaweni yakhe, kungaphumi muntu endaweni yakhe ngosuku lwesikhombisa.

[30]Base bephumula-ke abantu ngosuku lwesikhombisa.

[31]Indlu yakwa-Israyeli yaqamba igama lakho ngokuthi imana; kwakunjengembewu yekoriyanderi, kumhlophe; kwezwakala emlonyeni kungathi ngamaqebelengwane anezinyosi.

[32] UMose wathi: Lokhu kuyikho uJehova ayalile ngakho ukuthi: Makulondolozwe ezizukulwaneni iyomere eligcweleyo lalokhu ukuba babone isinkwa enganipha sona ehlane ngisanikhipha ezweni laseGibithe.

[33]UMose wathi ku-Aroni: Thatha isitsha, ufake iyomere eligcweleyo lemana, ukubeke phambi kukaJehova, kulondolozelwe izizukulwane zenu.

[3] UMose weza wabatshela abantu onke amazwi kaJehova nezahlulelo zonke; abantu bonke baphendula ngazwi linye, bathi: Onke amazwi uJehova awakhulumileyo siyakuwenza.
[4]UMose wabhala onke amazwi kaJehova, wavuka ekuseni ngakusasa, walakha i-altare phansi kwentaba, nezinsika eziyishumi nambili njengokwezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli.
[5]Wathuma izinsizwa zabantwana bakwa-Israyeli, zanikela ngeminikelo yokushiswa, zahlabela uJehova imihlatshelo yokuthula yezinkunzi.
[6]UMose wathatha inxenye yegazi, wayithela ezitsheni; inxenye yegazi wafafaza ngayo i-altare.
[7]Wathatha incwadi yesivumelwano, wayifunda ezindlebeni zabantu; bathi: Konke akukhulumileyo uJehova siyakukwenza, silalele.

[8] UMose wayesethatha igazi, wafafaza ngalo abantu, ethi: Bheka, nanti igazi lesivumelwano uJehova asenze nani ngawo onke lawa mazwi.

UMose ukhuphukela eSinayi

[9]Khona bakhuphuka oMose, no-Aroni, noNadabi, no-Abihu, namalunga

angamashumi ayisikhombisa akwa-Israyeli.

[10] E viram o Deus de Israel, sob cujos pés havia uma como pavimentação de pedra de safira, que se parecia com o céu na sua claridade.

[10] Bambona uNkulunkulu ka-Israyeli; phansi kwezinyawo zakhe kwakungathi kugandayiwe ngamatshe amasafire, kungathi yizulu uqobo ngokucweba.

[11] Ele não estendeu a mão sobre os escolhidos dos filhos de Israel; porém eles viram a Deus, e comeram, e beberam.

[11]Akasibekanga isandla sakhe kuzo izikhulu zabantwana bakwa-Israyeli; sebembonile uNkulunkulu badla, baphuza.

Moisés e os anciãos sobem novamente ao monte

[12] Então, disse o SENHOR a Moisés: Sobe a mim, ao monte, e fica lá; dar-te-ei tábuas de pedra, e a lei, e os mandamentos que escrevi, para os ensinares.

[12]UJehova wayesethi kuMose: Khuphukela kimi entabeni, uhlale khona, ngikunike izibhebhe zamatshe, nomthetho, nemiyalelo engiyibhalile ukuba ubafundise yona.

[13] Levantou-se Moisés com Josué, seu servidor; e, subindo Moisés ao monte de Deus,

[13]Wasuka uMose nenceku yakhe uJoshuwa; uMose wakhuphukela entabeni kaNkulunkulu.

[14] disse aos anciãos: Esperai-nos aqui até que voltemos a vós outros. Eis que Arão e Hur ficam convosco; quem tiver alguma questão se chegará a eles.

[14]Wathi kumalunga: Manisihlalele lapha, size sibuyele kini; bhekani, o-Aroni noHure bakini; yilowo nalowo onendaba makaye kubo.

[15] Tendo Moisés subido, uma nuvem cobriu o monte.

[15]UMose wayesekhuphukela entabeni, ifu lasibekela intaba.

[16] E a glória do SENHOR pousou sobre o monte Sinai, e a nuvem o cobriu por seis dias; ao sétimo dia, do meio da nuvem chamou o SENHOR a Moisés.

[16]Inkazimulo kaJehova yahlala entabeni yaseSinayi, ifu layisibekela izinsuku eziyisithupha; ngosuku lwesikhombisa esefwini wambiza uMose.

[17] O aspecto da glória do SENHOR era como um fogo consumidor no cimo do monte, aos olhos dos filhos de Israel.

[17]Ukubonakala kwenkazimulo kaJehova kwakunjengomlilo oqedayo esiqongweni sentaba emehlweni abantwana bakwa-Israyeli.

[18] E Moisés, entrando pelo meio da nuvem, subiu ao monte; e lá permaneceu quarenta dias e quarenta noites.

[18] UMose wangena efwini, wakhuphukela entabeni; uMose wayesentabeni izinsuku

ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane.

Êxodo 25

Deus manda trazer ofertas para o tabernáculo
Êxodo 35.4-9

1 Disse o SENHOR a Moisés:

2 Fala aos filhos de Israel que me tragam oferta; de todo homem cujo coração o mover para isso, dele recebereis a minha oferta.

3 Esta é a oferta que dele recebereis: ouro, e prata, e bronze,

4 e estofo azul, e púrpura, e carmesim, e linho fino, e pêlos de cabra,

5 e peles de carneiro tintas de vermelho, e peles finas, e madeira de acácia,

6 azeite para a luz, especiarias para o óleo de unção e para o incenso aromático,

7 pedras de ônix e pedras de engaste, para a estola sacerdotal e para o peitoral.

8 E me farão um santuário, para que eu possa habitar no meio deles.

9 Segundo tudo o que eu te mostrar para modelo do tabernáculo e para modelo de todos os seus móveis, assim mesmo o fareis.

A arca
Êxodo 37.1-5

10 Também farão uma arca de madeira de acácia; de dois côvados e meio será o seu comprimento, de um côvado e meio, a largura, e de um côvado e meio, a altura.

U-Eksodusi 25

Umthetho wokunikelela itabernakele*

1UJehova wayesekhuluma kuMose ethi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli ukuba bangithabathele umnikelo; kubo bonke abantu abanhliziyo zabo zivuma anothabatha umnikelo wami.

3Yilo umnikelo eniyakuwuthabatha kubo: igolide, nesiliva, nethusi,

4nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya bezimbuzi,

5nezikhumba ezibomvu zezinqama, nezikhumba zamatahasi, nemithi yomtholo,

6namafutha okukhanyisa, namakha amafutha okugcoba nawempepho ethaphukayo,

7namatshe amashohamu, namatshe okufakwa, awengubo yamahlombe nawesihlangu sesifuba.

8 Mabangenzele indlu engcwele ukuba ngihlale phakathi kwabo.

9Njengakho konke engikutshengisa khona njengesifanekiso setabernakele nangesifanekiso sempahla yonke yalo, anoyenza njalo-ke.

Umphongolo wesivumelwano

10 Bayakuwenza umphongolo ngomuthi womtholo, ubude bawo bube yizingalo ezimbili nenxenye, ububanzi bawo bube yingalo nenxenye, nokuphakama kwawo kube yingalo nenxenye.

[11] De ouro puro a cobrirás; por dentro e por fora a cobrirás e farás sobre ela uma bordadura de ouro ao redor.

[12] Fundirás para ela quatro argolas de ouro e as porás nos quatro cantos da arca: duas argolas num lado dela e duas argolas noutro lado.

[13] Farás também varais de madeira de acácia e os cobrirás de ouro;

[14] meterás os varais nas argolas aos lados da arca, para se levar por meio deles a arca.

[15] Os varais ficarão nas argolas da arca e não se tirarão dela.

[16] E porás na arca o Testemunho, que eu te darei.

O propiciatório

Êxodo 37.6-9

[17] Farás também um propiciatório de ouro puro; de dois côvados e meio será o seu comprimento, e a largura, de um côvado e meio.

[18] Farás dois querubins de ouro; de ouro batido os farás, nas duas extremidades do propiciatório;

[19] um querubim, na extremidade de uma parte, e o outro, na extremidade da outra parte; de uma só peça com o propiciatório fareis os querubins nas duas extremidades dele.

[20] Os querubins estenderão as asas por cima, cobrindo com elas o propiciatório;

[11]Uyakuwunameka ngegolide elicwengekileyo, uwunameke ngaphakathi nangaphandle, uwenzele udini lwegolide nxazonke.

[12]Uwukhandele amasongo amane egolide, uwafake ezinyaweni zozine zawo, amasongo amabili abe kolunye uhlangothi lwawo, amasongo amabili abe kolunye uhlangothi lwawo.

[13]Uyakuzenza izinti ngomuthi womtholo, uzinameke ngegolide.

[14]Wozifaka izinti emasongweni asezinhlangothini zomphongolo ukuba uthwalwe ngazo.

[15]Izinti ziyakuhlala emasongweni omphongolo; aziyikususwa kuwo.

[16] Uyakufaka emphongolweni ubufakazi engikunika bona.

[17] Uyakwenza isihlalo somusa ngegolide elicwengekileyo, ubude baso bube yizingalo ezimbili nenxenye, ububanzi baso bube yingalo nenxenye.

[18]Uyakwenza amakherubi amabili ngegolide, uwenze ngomsebenzi okhandiweyo ekugcineni kwesihlalo somusa nxazombili,

[19]ulenze elinye ikherubi ekugcineni ngalapha nelinye ikherubi ekugcineni ngalapha, nenze amakherubi ekugcineni nxazombili, abe kunye nesihlalo somusa.

[20]Amakherubi ayakwelula amaphiko awo ngaphezulu, amboze isihlalo somusa ngamaphiko awo, abhekane ngobuso;

estarão eles de faces voltadas uma para a outra, olhando para o propiciatório.

[21] Porás o propiciatório em cima da arca; e dentro dela porás o Testemunho, que eu te darei.

[22] Ali, virei a ti e, de cima do propiciatório, do meio dos dois querubins que estão sobre a arca do Testemunho, falarei contigo acerca de tudo o que eu te ordenar para os filhos de Israel.

A mesa
Êxodo 37.10-16

[23] Também farás a mesa de madeira de acácia; terá o comprimento de dois côvados, a largura, de um côvado, e a altura, de um côvado e meio;

[24] de ouro puro a cobrirás e lhe farás uma bordadura de ouro ao redor.

[25] Também lhe farás moldura ao redor, da largura de quatro dedos, e lhe farás uma bordadura de ouro ao redor da moldura.

[26] Também lhe farás quatro argolas de ouro; e porás as argolas nos quatro cantos, que estão nos seus quatro pés.

[27] Perto da moldura estarão as argolas, como lugares para os varais, para se levar a mesa.

[28] Farás, pois, estes varais de madeira de acácia e os cobrirás de ouro; por meio deles, se levará a mesa.

[29] Também farás os seus pratos, e os seus recipientes para incenso, e as suas galhetas, e as suas taças em que se hão de oferecer libações; de ouro puro os farás.

ubuso bamakherubi buyakubheka isihlalo somusa.

[21]Uyakusibeka isihlalo somusa phezu komphongolo, ufake emphongolweni ubufakazi engiyakukunika bona.

[22] Ngiyakuhlangana nawe khona, ngikhulume nawe, ngiphezu kwesihlalo somusa emkhathini wamakherubi amabili aphezu komphongolo wobufakazi, ngakho konke engiyakukuyala ngakho ukuba ubatshele abantwana bakwa-Israyeli.

Itafula lesinkwa sokubukwa

[23] Uyakulenza itafula ngomuthi womtholo, ubude balo bube yizingalo ezimbili, ububanzi balo bube yingalo, nokuphakama kwalo kube yingalo nenxenye.

[24]Wolinameka ngegolide elicwengekileyo, ulenzele udini ngegolide nxazonke,

[25]ulenzele usiko olulingene nesandla ngobubanzi nxazonke, ulwenzele usiko udini lwegolide nxazonke.

[26]Ulenzele amasongo amane ngegolide, uwafake amasongo emagumbini omane asezinyaweni zalo zozine.

[27]Amasongo ayakuba ngasodinini, abe yizindawo zezinti zokuthwala itafula.

[28]Wozenza izinti ngomuthi womtholo, uzinameke ngegolide, ukuba itafula lithwalwe ngazo,

[29]wenze nezingqwembe zalo, nezinkezo zalo, nezindebe zalo, nezinkamba zalo zokuthela, uzenze ngegolide elicwengekileyo.

[30] Porás sobre a mesa os pães da proposição diante de mim perpetuamente.

O candelabro
Êxodo 37.17-24

[31] Farás também um candelabro de ouro puro; de ouro batido se fará este candelabro; o seu pedestal, a sua hástea, os seus cálices, as suas maçanetas e as suas flores formarão com ele uma só peça.

[32] Seis hásteas sairão dos seus lados: três de um lado e três do outro.

[33] Numa hástea, haverá três cálices com formato de amêndoas, uma maçaneta e uma flor; e três cálices, com formato de amêndoas na outra hástea, uma maçaneta e uma flor; assim serão as seis hásteas que saem do candelabro.

[34] Mas no candelabro mesmo haverá quatro cálices com formato de amêndoas, com suas maçanetas e com suas flores.

[35] Haverá uma maçaneta sob duas hásteas que saem dele; e ainda uma maçaneta sob duas outras hásteas que saem dele; e ainda mais uma maçaneta sob duas outras hásteas que saem dele; assim se fará com as seis hásteas que saem do candelabro.

[30] Wobeka njalo phambi kwami etafuleni isinkwa sokubukwa.

[31] Wolwenza uthi lwezibani ngegolide elicwengekileyo, uthi lwezibani olwenziwe ngomsebenzi okhandiweyo, nesiqu salo, namagatsha alo, izimbizana zalo, namasumpa alo, nezimbali zalo, konke kube kunye nalo.

[32]Makube khona amagatsha ayisithupha aphuma ezinhlangothini zalo, amagatsha amathathu othi lwezibani aphume kolunye uhlangothi lwalo, amagatsha amathathu othi lwezibani aphume kolunye uhlangothi lwalo.

[33]Izimbizana ezintathu ezifaniswa nezimbali zemi-alimondi zibe kwelinye igatsha, isumpa nembali; izimbizana ezintathu ezifaniswa nezimbali zemi-alimondi zibe kwelinye igatsha, isumpa nembali; makube njalo kuwo onke amagatsha ayisithupha aphuma othini lwezibani.

[34]Othini lwezibani kuyakuba khona izimbizana ezine ezifaniswa nezimbali zemi-alimondi, amasumpa azo nezimbali zazo,

[35]kube yisumpa phansi kwamagatsha amabili, libe kunye nalo, nesumpa phansi kwamanye amagatsha amabili, libe kunye nalo, nesumpa phansi kwamanye amagatsha amabili futhi, libe kunye nalo, kube phansi kwamagatsha ayisithupha aphuma othini lwezibani.

36 As suas maçanetas e as suas hásteas serão do mesmo; tudo será de uma só peça, obra batida de ouro puro.

37 Também lhe farás sete lâmpadas, as quais se acenderão para alumiar defronte dele.

38 As suas espevitadeiras e os seus apagadores serão de ouro puro.

39 De um talento de ouro puro se fará o candelabro com todos estes utensílios.

40 Vê, pois, que tudo faças segundo o modelo que te foi mostrado no monte.

Êxodo 26

As cortinas do tabernáculo
Êxodo 36.8-18

1 Farás o tabernáculo, que terá dez cortinas, de linho retorcido, estofo azul, púrpura e carmesim; com querubins, as farás de obra de artista.

2 O comprimento de cada cortina será de vinte e oito côvados, e a largura, de quatro côvados; todas as cortinas serão de igual medida.

3 Cinco cortinas serão ligadas umas às outras; e as outras cinco também ligadas umas às outras.

4 Farás laçadas de estofo azul na orla da cortina extrema do primeiro agrupamento; e de igual modo farás na

36Amasumpa alo namagatsha alo ayakuba kunye nalo, kube kunye konke okwalo, kube ngokomsebenzi okhandiweyo wegolide elicwengekileyo.

37 Wolwenzela izibani eziyisikhombisa, izibani zalo zibekwe ukuba zikhanyise phambi kwalo.

38Izizenze zalo nezitsha zalo zensizi mazenziwe ngegolide elicwengekileyo.

39Malwenziwe ngetalenta legolide elicwengekileyo kanye nazo zonke lezi zinto.

40 Bhekisisa ukuba uzenze ngesifanekiso sazo owaboniswa sona entabeni.

U-Eksodusi 26

Itabernakele*

1 Wolenza itabernakele ngezilenge eziyishumi; zona wozenza ngelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo nangokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, zibe namakherubi, kube ngumsebenzi wengcweti.

2Ubude besilenge sinye bube yizingalo ezingamashumi amabili nesishiyagalombili, ububanzi baso bube yizingalo ezine, zonke izilenge zilingane.

3Izilenge eziyisihlanu ziyakuhlanganiswa esinye nesinye, nezinye izilenge eziyisihlanu zihlanganiswe esinye nesinye.

4Wozenza izihibe ngokuluhlaza eceleni lesinye isilenge emphethweni wasekuhlanganeni, wenze njalo eceleni

orla da cortina extrema do segundo agrupamento.

5 Cinqüenta laçadas farás numa cortina, e cinqüenta, na outra cortina no extremo do segundo agrupamento; as laçadas serão contrapostas uma à outra.

6 Farás cinqüenta colchetes de ouro, com os quais prenderás as cortinas uma à outra; e o tabernáculo passará a ser um todo.

7 Farás também de pêlos de cabra cortinas para servirem de tenda sobre o tabernáculo; onze cortinas farás.

8 O comprimento de cada cortina será de trinta côvados, e a largura, de quatro côvados; as onze cortinas serão de igual medida.

9 Ajuntarás à parte cinco cortinas entre si, e de igual modo as seis restantes, a sexta das quais dobrarás na parte dianteira da tenda.

10 Farás cinqüenta laçadas na orla da cortina extrema do primeiro agrupamento e cinqüenta laçadas na orla da cortina extrema do segundo agrupamento.

11 Farás também cinqüenta colchetes de bronze, e meterás os colchetes nas laçadas, e ajuntarás a tenda, para que venha a ser um todo.

12 A parte que restar das cortinas da tenda, a saber, a meia cortina que sobrar, penderá às costas do tabernáculo.

lesilenge sokugcina ekuhlanganeni kwesibili.

5Uyakwenza izihibe ezingamashumi ayisihlanu kwesinye isilenge, wenze futhi izihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge esisekuhlanganeni kwesibili, ukuze izihibe zibhekane.

6Wenze izinkibaniso ezingamashumi ayisihlanu zegolide, uhlanganise izilenge esinye nesinye ngezinkibaniso, itabernakele libe linye.

7 Wenze izilenge ngoboya bezimbuzi, zibe yitende phezu kwetabernakele, uzenze zibe yizilenge eziyishumi nanye.

8Ubude bezilenge bube yizingalo ezingamashumi amathathu, ububanzi bezilenge bube yizingalo ezine, lezi zilenge eziyishumi nanye zilingane.

9Wohlanganisa izilenge eziyisihlanu ngokwazo, nezilenge eziyisithupha ngokwazo, isilenge sesithupha siphindwe phambi kwetende.

10Wenze izihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge esinye esokugcina sasekuhlanganeni, nezihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge sokugcina ekuhlanganeni kwesibili.

11Wenze izinkibaniso ezingamashumi ayisihlanu zethusi, uzifake izinkibaniso ezihibeni, uhlanganise itende, libe linye.

12Okudluleleyo kwezilenge zetende, okuseleyo, inxenye yesilenge esiseleyo, kuyakulenga emva kwetabernakele.

[13] O côvado de um lado e o côvado de outro lado, do que sobejar no comprimento das cortinas da tenda, penderão de um e de outro lado do tabernáculo para o cobrir.

A coberta de peles e as tábuas

[14] Também farás de peles de carneiro tintas de vermelho uma coberta para a tenda e outra coberta de peles finas.

[15] Farás também de madeira de acácia as tábuas para o tabernáculo, as quais serão colocadas verticalmente.

[16] Cada uma das tábuas terá dez côvados de comprimento e côvado e meio de largura.

[17] Cada tábua terá dois encaixes, travados um com o outro; assim farás com todas as tábuas do tabernáculo.

[18] No preparar as tábuas para o tabernáculo, farás vinte delas para o lado sul.

[19] Farás também quarenta bases de prata debaixo das vinte tábuas: duas bases debaixo de uma tábua para os seus dois encaixes e duas bases debaixo de outra tábua para os seus dois encaixes.

[20] Também haverá vinte tábuas ao outro lado do tabernáculo, para o lado norte,

[13]Ingalo ngalapha nengalo ngalapha kulokho okudluleleyo ebudeni bezilenge zetende azilenge emaceleni etabernakele ngalapha nangalapha ukulisibekela.

[14]Futhi uyakwenza isifulelo setende ngezikhumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo sezikhumba zamatahasi ngaphezulu.

[15] Uyakwenza amapulangwe etabernakele ngomuthi womtholo, amiswe.

[16]Ubude bamapulangwe bube yizingalo eziyishumi, ububanzi bawo bube yingalo nenxenye.

[17]Akuthi yilelo nalelo pulangwe libe nemisuka emibili, omunye malungana nomunye; wenze njalo kuwo onke amapulangwe etabernakele.

[18]Wenze amapulangwe etabernakele, amapulangwe angamashumi amabili ohlangothini lwaseningizimu, olubheka ngaseningizimu.

[19]Wenze izinyawo ezingamashumi amane esiliva phansi kwamapulangwe angamashumi amabili, izinyawo ezimbili phansi kwepulangwe linye, zibe ngezemisuka yalo yomibili, nezinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe, zibe ngezemisuka yalo yomibili,

[20]nasohlangothini lwesibili lwetabernakele, uhlangothi lwasenyakatho, amapulangwe angamashumi amabili,

[21] com as suas quarenta bases de prata: duas bases debaixo de uma tábua e duas bases debaixo de outra tábua;

[22] ao lado posterior do tabernáculo para o ocidente, farás seis tábuas.

[23] Farás também duas tábuas para os cantos do tabernáculo, na parte posterior;
[24] as quais, por baixo, estarão separadas, mas, em cima, se ajustarão à primeira argola; assim se fará com as duas tábuas; serão duas para cada um dos dois cantos.

[25] Assim serão as oito tábuas com as suas bases de prata, dezesseis bases: duas bases debaixo de uma tábua e duas debaixo de outra tábua.

[26] Farás travessas de madeira de acácia; cinco para as tábuas de um lado do tabernáculo,

[27] cinco para as tábuas do outro lado do tabernáculo e cinco para as tábuas do tabernáculo ao lado posterior que olha para o ocidente.

[28] A travessa do meio passará ao meio das tábuas de uma extremidade à outra.

[29] Cobrirás de ouro as tábuas e de ouro farás as suas argolas, pelas quais hão de passar as travessas; e cobrirás também de ouro as travessas.

[21]kanye nezinyawo zawo ezingamashumi amane esiliva, izinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe, nezinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe.

[22]Ohlangothini lwetabernakele olungasemuva ngasentshonalanga uyakwenza amapulangwe ayisithupha.

[23]Amapulangwe amabili uyakuwenzela amagumbi etabernakele angasemuva,

[24]aphindwe kabili phansi, nakanjalo aphelele aze afike phezulu esongweni lokuqala, kube njalo kuwo omabili, abengawamagumbi omabili.

[25]Kuyakuba ngamapulangwe ayisishiyagalombili nezinyawo zawo zesiliva, izinyawo eziyishumi nesithupha, izinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe nezinyawo ezimbili phansi kwelinye.

[26] Woyenza imishayo yomuthi womtholo, ibe yisihlanu, ibe ngeyamapulangwe akolunye uhlangothi lwetabernakele,

[27]nemishayo eyisihlanu yamapulangwe akolunye uhlangothi lwetabernakele, nemishayo eyisihlanu yamapulangwe asohlangothini lwetabernakele olungasemuva ngasentshonalanga,

[28]umshayo waphakathi ophakathi kwamapulangwe udabule, uze ufinyelele nxazombili.

[29]Wonameka amapulangwe ngegolide, uwenze amasongo awo ngegolide, abe yizindawo zemishayo, unameke nemishayo ngegolide.

[30] Levantarás o tabernáculo segundo o modelo que te foi mostrado no monte.

O véu, o reposteiro e as colunas
Êxodo 36.35-38

[31] Farás também um véu de estofo azul, e púrpura, e carmesim, e linho fino retorcido; com querubins, o farás de obra de artista.

[32] Suspendê-lo-ás sobre quatro colunas de madeira de acácia, cobertas de ouro; os seus colchetes serão de ouro, sobre quatro bases de prata.

[33] Pendurarás o véu debaixo dos colchetes e trarás para lá a arca do Testemunho, para dentro do véu; o véu vos fará separação entre o Santo Lugar e o Santo dos Santos.

[34] Porás a coberta do propiciatório sobre a arca do Testemunho no Santo dos Santos.

[35] A mesa porás fora do véu e o candelabro, defronte da mesa, ao lado do tabernáculo, para o sul; e a mesa porás para o lado norte.

[36] Farás também para a porta da tenda um reposteiro de estofo azul, e púrpura, e carmesim, e linho fino retorcido, obra de bordador.

[37] Para este reposteiro farás cinco colunas de madeira de acácia e as cobrirás de ouro; os seus colchetes serão de ouro, e para elas fundirás cinco bases de bronze.

[30] Wolimisa itabernakele njengesifanekiso salo owaboniswa sona entabeni.

Isihenqo nomnyango

[31] Uyakwenza isihenqo ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, libe namakherubi, kube ngumsebenzi wengcweti,

[32]ulilengise ezinsikeni ezine zomtholo ezinamekwe ngegolide, izingwegwe zazo zibe yigolide, zime ezinyaweni ezine zesiliva.

[33]Uyakuphanyeka isihenqo phansi kwezinkibaniso, uwungenise umphongolo wobufakazi khona phakathi kwesihenqo, isihenqo sinahlukanisele indawo engcwele nendawo engcwelengcwele.

[34]Wosibeka isihlalo somusa phezu komphongolo wobufakazi endaweni engcwelengcwele,

[35]ubeke itafula ngaphandle kwesihenqo, uthi lwezibani lubhekane netafula ohlangothini lwetabernakele olungaseningizimu, ubeke itafula ohlangothini lwasenyakatho.

[36] Uyakwenza iveli lomnyango wasetendeni ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, umsebenzi womfekethisi.

[37]Ulenzele iveli izinsika eziyisihlanu zomtholo, uzinameke ngegolide; izingwegwe zazo mazibe yigolide, uzikhandele izinyawo eziyisihlanu zethusi.

Êxodo 27

O altar do holocausto
Êxodo 38.1-7

1 Farás também o altar de madeira de acácia; de cinco côvados será o seu comprimento, e de cinco, a largura (será quadrado o altar), e de três côvados, a altura.

2 Dos quatro cantos farás levantar-se quatro chifres, os quais formarão uma só peça com o altar; e o cobrirás de bronze.

3 Far-lhe-ás também recipientes para recolher a sua cinza, e pás, e bacias, e garfos, e braseiros; todos esses utensílios farás de bronze.

4 Far-lhe-ás também uma grelha de bronze em forma de rede, à qual farás quatro argolas de metal nos seus quatro cantos,

5 e as porás dentro do rebordo do altar para baixo, de maneira que a rede chegue até ao meio do altar.

6 Farás também varais para o altar, varais de madeira de acácia, e os cobrirás de bronze.

7 Os varais se meterão nas argolas, de um e de outro lado do altar, quando for levado.

8 Oco e de tábuas o farás; como se te mostrou no monte, assim o farão.

O átrio do tabernáculo
Êxodo 38.9-20

U-Eksodusi 27

I-altare leminikelo yokushiswa

1 Wolenza i-altare ngomuthi womtholo, ubude balo bube yizingalo eziyisihlanu, ububanzi balo bube yizingalo eziyisihlanu, i-altare lilingane izinhlangothi zozine; ukuphakama kwalo kube yizingalo ezintathu.

2Uyakwenza izimpondo zalo emagumbini alo omane, izimpondo zalo zibe kunye nalo, ulinameke ngethusi.

3Wenze izitsha zalo zokususa umlotha walo, namafosholo alo, nezitsha zalo, nezimfoloko zalo, nemicengezi yalo yomlilo, uzenze zonke izinto zalo ngethusi.

4Ulenzele ihele lethusi elenziwe njengenetha, wenze amasongo amane ethusi enetheni ngasemagumbini alo omane.

5Wolibeka ngaphansi, phansi kosiko oluzungeza i-altare, ukuba inetha lifinyelele ngaphakathi kwe-altare ukuya phezulu.

6Uyakwenza izinti ze-altare, izinti zomuthi womtholo, uzinameke ngethusi.

7Izinti zalo ziyakufakwa emasongweni, izinti zibe sezinhlangothini zombili ze-altare, nxa lithwalwa.

8Ulenze ngamapulangwe, libe yigobongo, ulenze njengalokho waboniswa entabeni.

Igceke letabernakele*

[9] Farás também o átrio do tabernáculo; ao lado meridional (que dá para o sul), o átrio terá cortinas de linho fino retorcido; o comprimento de cada lado será de cem côvados.

[10] Também as suas vinte colunas e as suas vinte bases serão de bronze; os ganchos das colunas e as sua vergas serão de prata.

[11] De igual modo, para o lado norte ao comprido, haverá cortinas de cem côvados de comprimento; e as suas vinte colunas e as suas vinte bases serão de bronze; os ganchos das colunas e as suas vergas serão de prata.

[12] Na largura do átrio para o lado do ocidente, haverá cortinas de cinqüenta côvados; as colunas serão dez, e as suas bases, dez.

[13] A largura do átrio do lado oriental (para o levante) será de cinqüenta côvados.

[14] As cortinas para um lado da entrada serão de quinze côvados; as suas colunas serão três, e as suas bases, três.

[15] Para o outro lado da entrada, haverá cortinas de quinze côvados; as suas colunas serão três, e as suas bases, três.

[9] Wolenza igceke letabernakele; ngaseningizimu ohlangothini olungaseningizimu makube khona izilenge zegceke zelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, ubude bazo bube yizingalo eziyikhulu ohlangothini lunye;
[10]izinsika zalo zibe ngamashumi amabili, nezinyawo zazo zibe ngamashumi amabili zethusi; izingwegwe zezinsika nezibopho zazo zibe yisiliva.
[11]Nasohlangothini olungasenyakatho ebudeni makube khona izilenge, ubude bazo bube yizingalo eziyikhulu, nezinsika zazo zibe ngamashumi amabili, nezinyawo zazo zibe ngamashumi amabili zethusi; izingwegwe zezinsika nezibopho zazo zibe yisiliva.
[12] Ohlangothini olungasentshonalanga ebubanzini begceke makube khona izilenge, ububanzi bazo bube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu, izinsika zazo zibe yishumi, nezinyawo zazo zibe yishumi.
[13]Ububanzi begceke ngasempumalanga ohlangothini olungasempumalanga bube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu.
[14]Izilenge kolunye uhlangothi mazibe yizingalo eziyishumi nanhlanu, izinsika zazo zibe zintathu, nezinyawo zazo zibe zintathu.
[15]Nakolunye uhlangothi makube yizilenge eziyizingalo eziyishumi nanhlanu, izinsika zazo zibe zintathu, nezinyawo zazo zibe zintathu.

[16] À porta do átrio, haverá um reposteiro de vinte côvados, de estofo azul, e púrpura, e carmesim, e linho fino retorcido, obra de bordador; as suas colunas serão quatro, e as suas bases, quatro.

[17] Todas as colunas ao redor do átrio serão cingidas de vergas de prata; os seus ganchos serão de prata, mas as suas bases, de bronze.

[18] O átrio terá cem côvados de comprimento, e cinqüenta de largura por todo o lado, e cinco de altura; as suas cortinas serão de linho fino retorcido, e as suas bases, de bronze.

[19] Todos os utensílios do tabernáculo em todo o seu serviço, e todas as suas estacas, e todas as estacas do átrio serão de bronze.

O azeite para o candelabro

Levítico 24.1-4

[20] Ordenarás aos filhos de Israel que te tragam azeite puro de oliveira, batido, para o candelabro, para que haja lâmpada acesa continuamente.

[21] Na tenda da congregação fora do véu, que está diante do Testemunho, Arão e seus filhos a conservarão em ordem, desde a tarde até pela manhã, perante o SENHOR; estatuto perpétuo será este a favor dos filhos de Israel pelas suas gerações.

Êxodo 28

Deus escolhe Arão e seus filhos para sacerdotes

[16] Koba khona iveli lesango legceke, libe yizingalo ezingamashumi amabili, ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, umsebenzi womfekethisi, izinsika zabo zibe zine, nezinyawo zazo zibe zine.

[17]Izinsika zonke zegceke zonamekwa ngesiliva, izingwegwe zazo zibe yisiliva, izinyawo zazo zibe yithusi.

[18]Ubude begceke boba yizingalo eziyikhulu, ububanzi bube ngezamashumi ayisihlanu njalo, ukuphakama kube yizingalo eziyisihlanu, bube yilineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, izinyawo zibe yithusi.

[19]Izimpahla zonke zetabernakele enkonzweni yalo yonke nezikhonkwane zalo zonke nezikhonkwane zegceke azibe ngezethusi.

[20] Wobayala abantwana bakwa-Israyeli ukuba balethe kuwe amafutha eminqumo agxotshelwe ukukhanyisa ukuba izibani zivuthe njalonjalo.

[21]Etendeni lokuhlangana ngaphandle kwesihenqo esiphambi kobufakazi u-Aroni namadodana akhe bayakuziphatha kwasekuhlweni kuze kuse phambi kukaJehova; kuyakuba yisimiso sabantwana bakwa-Israyeli kuze kube phakade ezizukulwaneni zabo.

U-Eksodusi 28

Isambatho sika-Aroni nesamadodana akhe

[1] Faze também vir para junto de ti Arão, teu irmão, e seus filhos com ele, dentre os filhos de Israel, para me oficiarem como sacerdotes, a saber, Arão e seus filhos Nadabe, Abiú, Eleazar e Itamar.

[1] Sondeza kuwe u-Aroni umfowenu namadodana akhe phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi, o-Aroni, noNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari, amadodana ka-Aroni.

As vestes sacerdotais
Êxodo 39.1-31

[2] Farás vestes sagradas para Arão, teu irmão, para glória e ornamento.

[2] Umenzele u-Aroni umfowenu izambatho ezingcwele, ezobukhosi nezokuhlobisa.

[3] Falarás também a todos os homens hábeis a quem enchi do espírito de sabedoria, que façam vestes para Arão para consagrá-lo, para que me ministre o ofício sacerdotal.

[3] Wokhuluma kubo bonke abahlakaniphile ngenhliziyo engibagcwalisile ngomoya wokuhlakanipha ukuba bazenze izambatho zika-Aroni zokumngcwelisa, ukuze angikhonze esikhundleni sobupristi.

[4] As vestes, pois, que farão são estas: um peitoral, uma estola sacerdotal, uma sobrepeliz, uma túnica bordada, mitra e cinto. Farão vestes sagradas para Arão, teu irmão, e para seus filhos, para me oficiarem como sacerdotes.

[4]Yilezi izambatho abayakuzenza: isihlangu sesifuba, nengubo yamahlombe, nejazi, nebhantshi elifekethisiweyo, nesigqoko, nebhande, bamenzele u-Aroni umfowenu namadodana akhe izambatho ezingcwele ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

[5] Tomarão ouro, estofo azul, púrpura, carmesim e linho fino

[5]Makathathe igolide, nokuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo.

[6] e farão a estola sacerdotal de ouro, e estofo azul, e púrpura, e carmesim, e linho fino retorcido, obra esmerada.

[6] Bayakwenza ingubo yamahlombe ngegolide, nangokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, kube ngumsebenzi wengcweti.

[7] Terá duas ombreiras que se unam às suas duas extremidades, e assim se unirá.

[7]Iyakuba neziziba ezimbili zasemahlombe, zihlangene emaceleni ayo omabili, ukuba ihlanganiswe.

[8] E o cinto de obra esmerada, que estará sobre a estola sacerdotal, será de obra igual, da mesma obra de ouro, e estofo azul, e púrpura, e carmesim, e linho fino retorcido.

[8]Ibhande elalukiweyo elikuyo lokuyikhwica liyakuba njengomsebenzi wayo, libe kunye nayo, ngegolide, nangokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo.

[9] Tomarás duas pedras de ônix e gravarás nelas os nomes dos filhos de Israel:

[9] Wothatha amatshe amabili amashohamu, uqophe kuwo amagama abantwana bakwa-Israyeli,

[10] seis de seus nomes numa pedra e os outros seis na outra pedra, segundo a ordem do seu nascimento.

[10]amagama ayisithupha abo kwelinye itshe namagama abayisithupha abaseleyo kwelinye itshe njengokuzalwa kwabo.

[11] Conforme a obra de lapidador, como lavores de sinete, gravarás as duas pedras com os nomes dos filhos de Israel; engastadas ao redor de ouro, as farás.

[11]Ngomsebenzi womqophi ematsheni, njengokuqoshwa kwendandatho, woqopha amatshe omabili njengokwamagama abantwana bakwa-Israyeli, uwafake azungezwe yizisekelo zegolide.

[12] E porás as duas pedras nas ombreiras da estola sacerdotal, por pedras de memória aos filhos de Israel; e Arão levará os seus nomes sobre ambos os seus ombros, para memória diante do SENHOR.

[12]Wobeka amatshe omabili ezizibeni zombili zengubo yamahlombe, abe ngamatshe esikhumbuzo sabantwana bakwa-Israyeli; u-Aroni uyakuphatha amagama abo emahlombe akhe omabili phambi kukaJehova kube yisikhumbuzo.

[13] Farás também engastes de ouro

[13]Wozenza izisekelo zegolide,

[14] e duas correntes de ouro puro; obra de fieira as farás; e as correntes de fieira prenderás nos engastes.

[14]namaketanga amabili egolide elicwengekileyo, uwenze abe njengamagoda, umsebenzi othandelweyo ezisekelweni.

[15] Farás também o peitoral do juízo de obra esmerada, conforme a obra da estola sacerdotal o farás: de ouro, e estofo azul, e púrpura, e carmesim, e linho fino retorcido o farás.

[15] Uyakwenza isihlangu sesifuba sokwahlulela, kube ngumsebenzi wengcweti, usenze njengokusetshenzwa kwengubo yamahlombe ngegolide, nangokuluhlaza nangokububende

[16] Quadrado e duplo, será de um palmo o seu comprimento, e de um palmo, a sua largura.

[17] Colocarás nele engaste de pedras, com quatro ordens de pedras: a ordem de sárdio, topázio e carbúnculo será a primeira ordem;

[18] a segunda ordem será de esmeralda, safira e diamante;

[19] a terceira ordem será de jacinto, ágata e ametista;

[20] a quarta ordem será de berilo, ônix e jaspe; elas serão guarnecidas de ouro nos seus engastes.

[21] As pedras serão conforme os nomes dos filhos de Israel, doze, segundo os seus nomes; serão esculpidas como sinetes, cada uma com o seu nome, para as doze tribos.

[22] Para o peitoral farás correntes como cordas, de obra trançada de ouro puro.

[23] Também farás para o peitoral duas argolas de ouro e porás as duas argolas nas extremidades do peitoral.

[24] Então, meterás as duas correntes de ouro nas duas argolas, nas extremidades do peitoral.

nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo.

[16]Masibe nezinhlangothi ezine ezilingeneyo, siphindwe kabili; ubude baso bube njengokudazuluka kweminwe, nobubanzi baso bube njengokudazuluka kweminwe.

[17]Ufake kuso izisekelo zamatshe, kube yizinhla ezine zamatshe: uhla lwesardiyu, netopazi, nerubi, lube luhla lokuqala;

[18]uhla lwesibili lube yisimaragidu, nesafire, nedayimani;

[19]uhla lwesithathu lube yihiyakinte, ne-agathe, ne-amethiste;

[20]uhla lwesine lube yikrisolithe, neshohamu, nejaspi; azungezwe ngegolide ezisekelweni zawo.

[21]Amatshe ayakuba njengamagama abantwana bakwa-Israyeli, abe yishumi nambili njengamagama abo; njengokuqoshwa kwendandatho yilelo nalelo liyakuba negama lesinye sezizwe eziyishumi nambili.

[22] Wenze kuso isihlangu sesifuba amaketanga njengamagoda, umsebenzi othandelweyo wegolide elicwengekileyo.

[23]Wenze kuso isihlangu sesifuba amasongo amabili egolide, uwafake amasongo omabili emaceleni omabili esihlangu sesifuba.

[24]Wowafaka amaketanga omabili athandelweyo ngegolide emasongweni omabili emaceleni esihlangu sesifuba.

[25] As duas pontas das correntes prenderás nos dois engastes e as porás nas ombreiras da estola sacerdotal na frente dele.

[26] Farás também duas argolas de ouro e as porás nas duas extremidades do peitoral, na sua orla interior junto à estola sacerdotal.

[27] Farás também duas argolas de ouro e as porás nas duas ombreiras da estola sacerdotal, abaixo, na frente dele, perto da sua juntura, sobre o cinto de obra esmerada da estola sacerdotal.

[28] E ligarão o peitoral com as suas argolas às argolas da estola sacerdotal por cima com uma fita azul, para que esteja sobre o cinto da estola sacerdotal; e nunca o peitoral se separará da estola sacerdotal.

[29] Assim, Arão levará os nomes dos filhos de Israel no peitoral do juízo sobre o seu coração, quando entrar no santuário, para memória diante do SENHOR continuamente.

[30] Também porás no peitoral do juízo o Urim e o Tumim, para que estejam sobre o coração de Arão, quando entrar perante o SENHOR; assim, Arão levará o juízo dos filhos de Israel sobre o seu coração diante do SENHOR continuamente.

[31] Farás também a sobrepeliz da estola sacerdotal toda de estofo azul.

[25]Ezinye izihloko ezimbili zamaketanga athandelweyo wozifaka ezisekelweni zombili, uzibeke ngaphambili ezizibeni zengubo yamahlombe.

[26]Uyakuwenza amasongo amabili egolide, uwafake emaceleni omabili esihlangu sesifuba, eceleni laso elibhekene nengubo yamahlombe ngaphakathi.

[27]Wenze amasongo amabili, uwafake ezizibeni zombili zengubo yamahlombe phansi ngaphambili, eduze nokuhlangana kwayo, phezu kwebhande elifeketshisiweyo lengubo yamahlombe.

[28]Bayakusibopha isihlangu sesifuba ngamasongo aso emasongweni engubo yamahlombe ngentambo eluhlaza ukuba sibe phezu kwebhande elifekethisiweyo lengubo yamahlombe, ukuze isihlangu sesifuba singakhumuki engutsheni yamahlombe.

[29] U-Aroni uyakuphatha amagama abantwana bakwa-Israyeli esihlangwini sesifuba sokwahlulela phezu kwenhliziyo yakhe, nxa engena endaweni engcwele, kube yisikhumbuzo phambi kukaJehova njalo.

[30]Ufake esihlangwini sesifuba sokwahlulela i-Urimi neThumimi, ahlale phezu kwenhliziyo ka-Aroni, nxa engena phambi kukaJehova; u-Aroni athwale ukwahlulelwa kwabantwana bakwa-Israyeli phezu kwenhliziyo yakhe phambi kukaJehova njalo.

[31] Uyakwenza ijazi lengubo yamahlombe ngokuluhlaza lonke,

[32] No meio dela, haverá uma abertura para a cabeça; será debruada essa abertura, como a abertura de uma saia de malha, para que não se rompa.

[32]kube yimbobo yekhanda ngaphakathi kwalo, imbobo yalo ibe nomphetho oyizungezayo womsebenzi owalukiweyo njengembobo yebhantshi lensimbi ukuba lingadatshulwa.

[33] Em toda a orla da sobrepeliz, farás romãs de estofo azul, e púrpura, e carmesim; e campainhas de ouro no meio delas.

[33]Emiphethweni yalo wowenza amapomegranati ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, azungeze imiphetho yalo, kanye nezikhencezo zegolide phakathi kwawo nxazonke,

[34] Haverá em toda a orla da sobrepeliz uma campainha de ouro e uma romã, outra campainha de ouro e outra romã.

[34]kube yisikhencezo segolide nepomegranati, isikhencezo segolide nepomegranati njalo emiphethweni yejazi nxazonke.

[35] Esta sobrepeliz estará sobre Arão quando ministrar, para que se ouça o seu sonido, quando entrar no santuário diante do SENHOR e quando sair; e isso para que não morra.

[35]U-Aroni makalembathe eyokhonza; ukukhenceza kwalo kuyakuzwakala, nxa engena endaweni engcwele phambi kukaJehova, nanxa ephuma, ukuze angafi.

[36] Farás também uma lâmina de ouro puro e nela gravarás à maneira de gravuras de sinetes: Santidade ao SENHOR.

[36] Uyakwenza ungcwecwe wegolide elicwengekileyo, uqophe kuye njengokuqoshwa kwendandatho ukuthi: Wahlukaniselwe uJehova .

[37] Atá-la-ás com um cordão de estofo azul, de maneira que esteja na mitra; bem na frente da mitra estará.

[37]Umfake ngentambo eluhlaza, abe sesigqokweni, abe ngaphambili esigqokweni.

[38] E estará sobre a testa de Arão, para que Arão leve a iniqüidade concernente às coisas santas que os filhos de Israel consagrarem em todas as ofertas de suas coisas santas; sempre estará sobre a testa de Arão, para que eles sejam aceitos perante o SENHOR.

[38]Uyakuba sebunzini lika-Aroni, u-Aroni athwale ububi bezinto ezingcwele, abantwana bakwa-Israyeli abayakuzingcwelisa, zibe yizipho zabo ezingcwele; uyakuba sebunzini lakhe njalo ukuba bamukeleke ebusweni bukaJehova.

[39] Tecerás, quadriculada, a túnica de linho fino e farás uma mitra de linho fino e um cinto de obra de bordador.

[40] Para os filhos de Arão farás túnicas, e cintos, e tiaras; fá-los-ás para glória e ornamento.

[41] E, com isso, vestirás Arão, teu irmão, bem como seus filhos; e os ungirás, e consagrarás, e santificarás, para que me oficiem como sacerdotes.

[42] Faze-lhes também calções de linho, para cobrirem a pele nua; irão da cintura às coxas.

[43] E estarão sobre Arão e sobre seus filhos, quando entrarem na tenda da congregação ou quando se chegarem ao altar para ministrar no santuário, para que não levem iniqüidade e morram; isto será estatuto perpétuo para ele e para sua posteridade depois dele.

[39] Uyakwaluka ibhantshi eliyizingovu ngelineni elicolekileyo, wenze nesigqoko selineni elicolekileyo, wenze nebhande, ulifekethise.

[40]Uyakuwenzela namadodana ka-Aroni amabhantshi, uwenzele namabhande, uwenzele nezigqoko, kube ngezobukhosi nezokuhlobisa.

[41] Wembathise zona u-Aroni umfowenu namadodana akhe, ubagcobe, ubahlukanisele, ubangcwelise ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

[42] Ubenzele namabhulukwe elineni ukuba kusitshekelwe inyama yobunqunu babo, aqale okhalweni, afike emathangeni;

[43]u-Aroni namadodana akhe bawafake, nxa bengena etendeni lokuhlangana, nanxa besondela e-altare ukuyokhonza endaweni engcwele, ukuba bangathwali ububi, bafe; kuyakuba yisimiso kuye nakuyo inzalo yakhe emva kwakhe kuze kube phakade.

Êxodo 29

O sacrifício e as cerimônias da consagração

Levítico 8.1-36

[1] Isto é o que lhes farás, para os consagrar, a fim de que me oficiem como sacerdotes: toma um novilho, e dois carneiros sem defeito,

[2] e pães asmos, e bolos asmos, amassados com azeite, e obreias asmas untadas com azeite; de flor de farinha de trigo os farás,

U-Eksodusi 29

Imithetho yokumisa abapristi

[1] Yilokhu oyakukwenza kubo ukubahlukanisa ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi: thabatha iduna nezinqama ezimbili ezingenasici,

[2]nesinkwa esingenamvubelo, namaqebelengwane angenamvubelo, agcotshwe ngamafutha; ukwenze ngempuphu ecolekileyo kakolweni.

[3] e os porás num cesto, e no cesto os trarás; trarás também o novilho e os dois carneiros.

[4] Então, farás que Arão e seus filhos se cheguem à porta da tenda da congregação e os lavarás com água;

[5] depois, tomarás as vestes, e vestirás Arão da túnica, da sobrepeliz, da estola sacerdotal e do peitoral, e o cingirás com o cinto de obra esmerada da estola sacerdotal;

[6] pôr-lhe-ás a mitra na cabeça e sobre a mitra, a coroa sagrada.

[7] Então, tomarás o óleo da unção e lho derramarás sobre a cabeça; assim o ungirás.

[8] Farás, depois, que se cheguem os filhos de Arão, e os vestirás de túnicas,

[9] e os cingirás com o cinto, Arão e seus filhos, e lhes atarás as tiaras, para que tenham o sacerdócio por estatuto perpétuo, e consagrarás Arão e seus filhos.

[10] Farás chegar o novilho diante da tenda da congregação, e Arão e seus filhos porão as mãos sobre a cabeça dele.

[11] Imolarás o novilho perante o SENHOR, à porta da tenda da congregação.

[12] Depois, tomarás do sangue do novilho e o porás com o teu dedo sobre os chifres do altar; o restante do sangue derramá-lo-ás à base do altar.

[13] Também tomarás toda a gordura que cobre as entranhas, o redenho do fígado,

[3]Uyakukufaka eqomeni linye, ukulethe ngeqoma kanye nenkunzi nezinqama zombili;

[4] usondeze u-Aroni namadodana akhe ngasemnyango wetende lokuhlangana, ubageze ngamanzi.

[5]Wothabatha izambatho, ufake ku-Aroni ibhantshi, nejazi lengubo yamahlombe, nengubo yamahlombe, nesihlangu sesifuba, umbhincise ngebhande elalukiweyo lengubo yamahlombe;

[6]ufake isigqoko ekhanda lakhe, ubeke umqhele ongcwele esigqokweni.

[7]Uthabathe amafutha okugcoba, uwathele ekhanda lakhe, umgcobe.

[8]Usondeze namadodana akhe, uwembathise amabhantshi.

[9]Ubabhincise amabhande u-Aroni namadodana akhe, uzibophe izigqoko kubo, babe nobupristi, kube yisimiso esiphakade, wahlukanise u-Aroni namadodana akhe.

[10] Uyisondeze inkunzi ngaphambi kwetende lokuhlangana; u-Aroni namadodana akhe babeke izandla zabo enhloko yenkunzi.

[11]Woyihlaba inkunzi phambi kukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana.

[12]Uthabathe igazi lenkunzi, ulibhece ezimpondweni ze-altare ngomunwe wakho, uthulule lonke igazi phansi ngase-altare.

[13] Uyakuthabatha wonke umhlehlo osibekela izibilini, namanoni aphezu

os dois rins e a gordura que está neles e queimá-los-ás sobre o altar;

[14] mas a carne do novilho, a pele e os excrementos, queimá-los-ás fora do arraial; é sacrifício pelo pecado.

[15] Depois, tomarás um carneiro, e Arão e seus filhos porão as mãos sobre a cabeça dele.

[16] Imolarás o carneiro, e tomarás o seu sangue, e o jogarás sobre o altar ao redor;

[17] partirás o carneiro em seus pedaços e, lavadas as entranhas e as pernas, pô-las-ás sobre os pedaços e sobre a cabeça.

[18] Assim, queimarás todo o carneiro sobre o altar; é holocausto para o SENHOR, de aroma agradável, oferta queimada ao SENHOR.

[19] Depois, tomarás o outro carneiro, e Arão e seus filhos porão as mãos sobre a cabeça dele.

[20] Imolarás o carneiro, e tomarás do seu sangue, e o porás sobre a ponta da orelha direita de Arão e sobre a ponta da orelha direita de seus filhos, como também sobre o polegar da sua mão direita e sobre o polegar do seu pé direito; o restante do sangue jogarás sobre o altar ao redor.

[21] Tomarás, então, do sangue sobre o altar e do óleo da unção e os aspergirás sobre Arão e suas vestes e sobre seus filhos e as vestes de seus filhos com ele; para que ele seja santificado, e as suas vestes, e também seus filhos e as vestes de seus filhos com ele.

kwesibindi, nezinso zombili namanoni akuzo, ukushise e-altare.

[14] Kepha inyama yenkunzi, nesikhumba sayo, nomswani wayo, uyakukushisa ngomlilo ngaphandle kwekamu; kungumnikelo wesono.

[15] Wothabatha inqama ibe nye; u-Aroni namadodana akhe babeke izandla zabo enhloko yenqama.

[16]Woyihlaba inqama, uthabathe igazi layo, ufafaze ngalo i-altare nxazonke.

[17]Uyihlahlele inqama, uzihlanze izibilini zayo namanqina ayo, ukubeke ndawonye nezitho zayo nenhloko yayo.

[18]Woyishisa yonke inqama e-altare; kungumnikelo wokushiswa kuJehova, yiphunga elimnandi, ngumnikelo womlilo kuJehova.

[19] Uthabathe enye inqama; u-Aroni namadodana akhe babeke izandla zabo enhloko yayo.

[20]Woyihlaba inqama, uthabathe igazi layo, ulibhece esicutshini sendlebe yokunene ka-Aroni, nasesicutshini sendlebe yokunene yamadodana akhe, nasesithupheni sesandla sabo sokunene, nakuqukula wonyawo lwabo lokunene, ufafaze i-altare nxazonke ngegazi.

[21]Wothabatha igazi elise-altare namafutha okugcoba, ufafaze ngakho u-Aroni nezambatho zakhe, namadodana akhe nezambatho zamadodana akhe, abe ngcwele yena nezambatho zakhe, namadodana akhe nezambatho zamadodana akhe.

[22] Depois, tomarás do carneiro a gordura, a cauda gorda, a gordura que cobre as entranhas, o redenho do fígado, os dois rins, a gordura que está neles e a coxa direita, porque é carneiro da consagração;

[23] e também um pão, um bolo de pão azeitado e uma obreia do cesto dos pães asmos que estão diante do SENHOR.

[24] Todas estas coisas porás nas mãos de Arão e nas de seus filhos e, movendo-as de um lado para outro, as oferecerás como ofertas movidas perante o SENHOR.

[25] Depois, as tomarás das suas mãos e as queimarás sobre o altar; é holocausto para o SENHOR, de agradável aroma, oferta queimada ao SENHOR.

[26] Tomarás o peito do carneiro da consagração, que é de Arão, e, movendo-o de um lado para outro, o oferecerás como oferta movida perante o SENHOR; e isto será a tua porção.

[27] Consagrarás o peito da oferta movida e a coxa da porção que foi movida, a qual se tirou do carneiro da consagração, que é de Arão e de seus filhos.

[28] Isto será a obrigação perpétua dos filhos de Israel, devida a Arão e seus filhos, por ser a porção do sacerdote, oferecida, da parte dos filhos de Israel, dos sacrifícios pacíficos; é a sua oferta ao SENHOR.

[22] Wothabatha amanoni enqama, nomsila ononileyo, nomhlehlo osibekela izibilini, namanoni esibindi, nezinso zombili namanoni akuzo, nomlenze wokunene, ngokuba kuyinqama yokwahlukaniselwa;

[23]uthabathe isinkwa sibe sinye, neqebelengwane libe linye lesinkwa esinamafutha, nomqathane ube munye eqomeni lesinkwa esingenamvubelo eliphambi kukaJehova,

[24]ubeke konke ezandleni zika-Aroni nasezandleni zamadodana akhe, ukuzulise kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova.

[25]Ubuye ukuthabathe ezandleni zabo, ukushise e-altare phezu komnikelo wokushiswa, kube yiphunga elimnandi phambi kukaJehova: kungumnikelo womlilo kuJehova.

[26]Uyakuthabatha isifuba senqama yokwahlukaniselwa kuka-Aroni, usizulise, sibe ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova, sibe yisabelo sakho.

[27] Uyakusingcwelisa isifuba somnikelo wokuzuliswa nomlenze womnikelo wokuphakanyiswa, ozuliswayo nophakanyiswayo, okwenqama yokwahlukaniselwa, okuka-Aroni nokwamadodana akhe;

[28] kuyakuba ngokuka-Aroni nokwamadodana akhe, kube yimfanelo ephakade kwabakwa-Israyeli, ngokuba kungumnikelo wokuphakanyiswa; koba ngumnikelo wokuphakanyiswa

wabantwana bakwa-Israyeli womhlatshelo weminikelo yabo yokuthula, umnikelo wabo wokuphakanyiswa kuJehova.

29 As vestes santas de Arão passarão a seus filhos depois dele, para serem ungidos nelas e consagrados nelas.

29 Izambatho ezingcwele zika-Aroni ziyakuba ngezamadodana akhe emva kwakhe ukuba bagcotshwe, bahlukaniselwe, bembathe zona.

30 Sete dias as vestirá o filho que for sacerdote em seu lugar, quando entrar na tenda da congregação para ministrar no santuário.

30 Indodana yakhe engumpristi esikhundleni sakhe ayizembathe izinsuku eziyisikhombisa, nxa ingena etendeni lokuhlangana ukuyokhonza endaweni engcwele.

31 Tomarás o carneiro da consagração e cozerás a sua carne no lugar santo;

31 Woyithabatha inqama yokwahlukaniselwa, upheke inyama yayo endaweni engcwele.

32 e Arão e seus filhos comerão a carne deste carneiro e o pão que está no cesto à porta da tenda da congregação

32 U-Aroni namadodana akhe bayakuyidla inyama yenqama nesinkwa esiseqomeni ngasemnyango wetende lokuhlangana,

33 e comerão das coisas com que for feita a expiação, para consagrá-los e para santificá-los; o estranho não comerá delas, porque são santas.

33 badle lezo zinto ezenza ukubuyisana ukubahlukanisela nokubangcwelisa; zingadliwa ngumfokazi, ngokuba zingcwele.

34 Se sobrar alguma coisa da carne das consagrações ou do pão, até pela manhã, queimarás o que restar; não se comerá, porque é santo.

34 Uma kusala inyama yokwahlukaniselwa kuze kuse noma isinkwa, ukushise okuseleyo ngomlilo, kungadliwa, ngokuba kungcwele.

35 Assim, pois, farás a Arão e a seus filhos, conforme tudo o que te hei ordenado; por sete dias, os consagrarás.

35 Uyakwenze njalo ku-Aroni nakumadodana akhe, njengakho konke engikuyale ngakho; ukwahlukanisela kuyakuba yizinsuku eziyisikhombisa.

36 Também cada dia prepararás um novilho como oferta pelo pecado para as expiações; e purificarás o altar, fazendo

36 Imihla yonke wonikela ngenkunzi, ibe ngumnikelo wesono, ube ngowokubuyisana, uhlambulule i-altare,

expiação por ele mediante oferta pelo pecado; e o ungirás para consagrá-lo.

[37] Sete dias farás expiação pelo altar e o consagrarás; e o altar será santíssimo; tudo o que o tocar será santo.

Ofertas contínuas
Números 28.1-8

[38] Isto é o que oferecerás sobre o altar: dois cordeiros de um ano, cada dia, continuamente.

[39] Um cordeiro oferecerás pela manhã e o outro, ao pôr-do-sol.

[40] Com um cordeiro, a décima parte de um efa de flor de farinha, amassada com a quarta parte de um him de azeite batido; e, para libação, a quarta parte de um him de vinho;

[41] o outro cordeiro oferecerás ao pôr-do-sol, como oferta de manjares, e a libação como de manhã, de aroma agradável, oferta queimada ao SENHOR.

[42] Este será o holocausto contínuo por vossas gerações, à porta da tenda da congregação, perante o SENHOR, onde vos encontrarei, para falar contigo ali.

[43] Ali, virei aos filhos de Israel, para que, por minha glória, sejam santificados,

[44] e consagrarei a tenda da congregação e o altar; também santificarei Arão e seus filhos, para que me oficiem como sacerdotes.

lapho ulenzela ukubuyisana, uligcobe ukuba ulingcwelise.

[37]Izinsuku eziyisikhombisa wolenzela i-altare ukubuyisana, ulingcwelise, i-altare libe ngcwele kakhulu, nabo bonke abalithintayo bayakuba ngabangcwele.

Iminikelo eshiswa imihla yonke

[38] Yilokhu oyakunikela ngakho e-altare: amawundlu amabili anomnyaka munye imihla ngemihla njalo.

[39]Elinye iwundlu wonikela ngalo ekuseni, elinye iwundlu wonikela ngalo kusihlwa.

[40]Kanye nelinye iwundlu wonikela ngokweshumi kwempuphu ecolekileyo, ixovwe nokwesine kwehini lamafutha agxotshiweyo, nokwesine kwehini lewayini, kube ngumnikelo wokuphuzwa.

[41]Wonikela ngelinye iwundlu ngakusihlwa, wenze kulo njengomnikelo wempuphu wasekuseni nanjengomnikelo wawo wokuphuzwa, kube yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

[42] Lo uyakuba ngumnikelo oshiswa imihla yonke ezizukulwaneni zenu ngasemnyango wetende lokuhlangana phambi kukaJehova, lapho ngiyakuhlangana khona nani, ngikhulume khona kuwe.

[43] Lapho ngiyakuhlangana nabantwana bakwa-Israyeli; liyakungcweliswa yinkazimulo yami.

[44] Ngiyakungcwelisa itende lokuhlangana kanye ne-altare, ngingcwelise no-Aroni namadodana akhe ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

[45] E habitarei no meio dos filhos de Israel e serei o seu Deus.

[46] E saberão que eu sou o SENHOR, seu Deus, que os tirou da terra do Egito, para habitar no meio deles; eu sou o SENHOR, seu Deus.

Êxodo 30

O altar do incenso
Êxodo 37.25-28

[1] Farás também um altar para queimares nele o incenso; de madeira de acácia o farás.

[2] Terá um côvado de comprimento, e um de largura (será quadrado), e dois de altura; os chifres formarão uma só peça com ele.

[3] De ouro puro o cobrirás, a parte superior, as paredes ao redor e os chifres; e lhe farás uma bordadura de ouro ao redor.

[4] Também lhe farás duas argolas de ouro debaixo da bordadura; de ambos os lados as farás; nelas, se meterão os varais para se levar o altar.

[5] De madeira de acácia farás os varais e os cobrirás de ouro.

[6] Porás o altar defronte do véu que está diante da arca do Testemunho, diante do propiciatório que está sobre o Testemunho, onde me avistarei contigo.

[45] Ngiyakuhlala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, ngibe nguNkulunkulu wabo.

[46]Bayakwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wabo, owabakhipha ezweni laseGibithe, ukuba ngihlale phakathi kwabo; nginguJehova uNkulunkulu wabo.

U-Eksodusi 30

Imithetho ye-altare lokushisa impepho

[1] Uyakwenza i-altare lokushisa impepho, ulenze ngomuthi womtholo.

[2]Ubude balo bube yingalo, nobubanzi balo bube yingalo, libe nezinhlangothi ezine ezilingeneyo; ukuphakama kwalo kube yizingalo ezimbili, izimpondo zalo zibe kunye nalo.

[3]Wolinameka ngegolide elicwengekileyo ngaphezulu, nezinhlangothi zalo nxazonke, nezimpondo zalo, ulenzele udini lwegolide nxazonke.

[4]Ulenzele amasongo amabili egolide phansi kodini lwalo nxazombili, uwenze ezinhlangothini zombili zalo, abe yizindawo zezinti zokulithwala.

[5]Wenze izinti ngomuthi womtholo, uzinameke ngegolide.

[6] Ulibeke phambi kwesihenqo esingasemphongolweni wobufakazi, ngaphambi kwesihlalo somusa esiphezu kobufakazi, lapho ngiyakuhlangana khona nawe.

[7] Arão queimará sobre ele o incenso aromático; cada manhã, quando preparar as lâmpadas, o queimará.
[8] Quando, ao crepúsculo da tarde, acender as lâmpadas, o queimará; será incenso contínuo perante o SENHOR, pelas vossas gerações.
[9] Não oferecereis sobre ele incenso estranho, nem holocausto, nem ofertas de manjares; nem tampouco derramareis libações sobre ele.

[10] Uma vez no ano, Arão fará expiação sobre os chifres do altar com o sangue da oferta pelo pecado; uma vez no ano, fará expiação sobre ele, pelas vossas gerações; santíssimo é ao SENHOR.

O pagamento do resgate

[11] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[12] Quando fizeres recenseamento dos filhos de Israel, cada um deles dará ao SENHOR o resgate de si próprio, quando os contares; para que não haja entre eles praga nenhuma, quando os arrolares.

[13] Todo aquele que passar ao arrolamento dará isto: metade de um siclo, segundo o siclo do santuário (este siclo é de vinte geras); a metade de um siclo é a oferta ao SENHOR.

[14] Qualquer que entrar no arrolamento, de vinte anos para cima, dará a oferta ao SENHOR.

[7] U-Aroni woshisa kulo impepho yamakha athaphukayo; njalo ekuseni, nxa elungisa izibani, uyakuyithunqisa.
[8]Nalapho u-Aroni ezibeka izibani ngakusihlwa, woyishisa ibe yimpepho ephakade phambi kukaJehova ezizukulwaneni zenu.
[9] Ninganikeli kulo ngempepho engeyiyo, nangomnikelo wokushiswa, nangomnikelo wempuphu, ningatheli mnikelo wokuphuzwa kulo.
[10] U-Aroni uyakwenzela izimpondo zalo ukubuyisana kanye ngomnyaka; ngegazi lomnikelo wesono wokubuyisana kanye ngomnyaka uyakulenzela ukubuyisana ezizukulwaneni zenu; lingcwelengcwele kuJehova.

Imali yokubuyisana

[11]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:
[12] Nxa ubala inani labantwana bakwa-Israyeli ngokwalabo ababalwayo, yilowo nalowo kubo makathele kuJehova ihlawulo lomphefumulo wakhe, lapho ubabalayo, ukuba kungabikho sifo phakathi kwabo, nxa ubabala.
[13]Lokhu bayakukuthela, kube yilowo nalowo odlulela kwababaliweyo: inxenye yeshekeli ngokweshekeli lendlu engcwele ishekeli lingamagera angamashumi amabili inxenye yeshekeli ibe ngumnikelo kuJehova.
[14]Yilowo nalowo odlulela kwababaliweyo, abaneminyaka engamashumi amabili nangaphezulu, uyakunikela ngomnikelo kuJehova.

[15] O rico não dará mais de meio siclo, nem o pobre, menos, quando derem a oferta ao SENHOR, para fazerdes expiação pela vossa alma.

[15]Ocebileyo akayikunika kakhulu, ompofu angatheli kancane kunenxenye yeshekeli, lapho benikela ngomnikelo kuJehova ukuba kwenzelwe ukubuyisana kwemiphefumulo yenu.

[16] Tomarás o dinheiro das expiações dos filhos de Israel e o darás ao serviço da tenda da congregação; e será para memória aos filhos de Israel diante do SENHOR, para fazerdes expiação pela vossa alma.

[16]Wothabatha imali yokubuyisana kubantwana bakwa-Israyeli, uyimisele inkonzo yetende lokuhlangana, ibe yisikhumbuzo sabantwana bakwa-Israyeli phambi kukaJehova, ukuba kwenzelwe ukubuyisana kwemiphefumulo yenu.

A bacia de bronze

Êxodo 38.8

[17] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[17]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[18] Farás também uma bacia de bronze com o seu suporte de bronze, para lavar. Pô-la-ás entre a tenda da congregação e o altar e deitarás água nela.

[18] Uyakwenza umcengezi wethusi, nesinqe sawo sethusi, ukuba kugezelwe kuwo, uwubeke phakathi kwetende lokuhlangana ne-altare, uthele amanzi kuwo.

[19] Nela, Arão e seus filhos lavarão as mãos e os pés.

[19]U-Aroni namadodana akhe bayakuhlamba kuwo izandla zabo nezinyawo zabo.

[20] Quando entrarem na tenda da congregação, lavar-se-ão com água, para que não morram; ou quando se chegarem ao altar para ministrar, para acender a oferta queimada ao SENHOR.

[20]Nxa bengena etendeni lokuhlangana, bayakugeza ngamanzi ukuba bangafi, noma besondela e-altare ukuyokhonza, bawushise umnikelo womlilo kuJehova;

[21] Lavarão, pois, as mãos e os pés, para que não morram; e isto lhes será por estatuto perpétuo, a ele e à sua posteridade, através de suas gerações.

[21]mabahlambe izandla zabo nezinyawo zabo ukuba bangafi, kube yisimiso esiphakade kubo, kuyena nakuyo inzalo yakhe ezizukulwaneni zabo.

O óleo da santa unção

Êxodo 37.29

Amafutha angcwele okugcoba

[22] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[22]UJehova wakhuluma futhi kuMose, wathi:

[23] Tu, pois, toma das mais excelentes especiarias: de mirra fluida quinhentos

[23] Zithabathele amakha amahle, imure eliphumayo lamashekeli angamakhulu

siclos, de cinamomo odoroso a metade, a saber, duzentos e cinqüenta siclos, e de cálamo aromático duzentos e cinqüenta siclos,

ayisihlanu, nokinamona othaphukayo wenxenye yalokho, okungukuthi amakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nekalamu elithaphukayo lamakhulu amabili namashumi ayisihlanu,

24 e de cássia quinhentos siclos, segundo o siclo do santuário, e de azeite de oliveira um him.

24nekasiya lamakhulu ayisihlanu ngokweshekeli lendlu engcwele, nehini lamafutha eminqumo.

25 Disto farás o óleo sagrado para a unção, o perfume composto segundo a arte do perfumista; este será o óleo sagrado da unção.

25Uwenze amafutha angcwele okugcoba amakha athakiweyo njengokwenza komthaki, abe ngamafutha angcwele okugcoba.

26 Com ele ungirás a tenda da congregação, e a arca do Testemunho,

26 Wogcoba itende lokuhlangana nomphongolo wobufakazi,

27 e a mesa com todos os seus utensílios, e o candelabro com os seus utensílios, e o altar do incenso,

27netafula nezitsha zalo zonke, nothi lwezibani nezitsha zalo, ne-altare lempepho,

28 e o altar do holocausto com todos os utensílios, e a bacia com o seu suporte.

28ne-altare lomnikelo wokushiswa nezitsha zalo zonke, nomcengezi nesinqe sawo.

29 Assim consagrarás estas coisas, para que sejam santíssimas; tudo o que tocar nelas será santo.

29Wokungcwelisa ukuze kube ngcwele kakhulu; bonke abakuthintayo bayakuba ngcwele.

30 Também ungirás Arão e seus filhos e os consagrarás para que me oficiem como sacerdotes.

30 Wobagcoba u-Aroni namadodana akhe, ubangcwelise ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

31 Dirás aos filhos de Israel: Este me será o óleo sagrado da unção nas vossas gerações.

31Ukhulume kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Lokhu kuyakuba kimi amafutha angcwele okugcoba ezizukulwaneni zenu.

32 Não se ungirá com ele o corpo do homem que não seja sacerdote, nem fareis outro semelhante, da mesma composição; é santo e será santo para vós outros.

32Mawangathelwa emzimbeni womuntu, ningawenzi afana nawo njengokuthakwa kwawo; angcwele, mawabe ngcwele kini.

[33] Qualquer que compuser óleo igual a este ou dele puser sobre um estranho será eliminado do seu povo.

O incenso sagrado

[34] Disse mais o SENHOR a Moisés: Toma substâncias odoríferas, estoraque, ônica e gálbano; estes arômatas com incenso puro, cada um de igual peso;

[35] e disto farás incenso, perfume segundo a arte do perfumista, temperado com sal, puro e santo.

[36] Uma parte dele reduzirás a pó e o porás diante do Testemunho na tenda da congregação, onde me avistarei contigo; será para vós outros santíssimo.

[37] Porém o incenso que fareis, segundo a composição deste, não o fareis para vós mesmos; santo será para o SENHOR.

[38] Quem fizer tal como este para o cheirar será eliminado do seu povo.

[33]Yilowo nalowo owathaka anjengawo nalowo owathela kumfokazi uyakunqunywa kubantu bakubo.

[34] UJehova wathi kuMose: Zithabathele amakha athaphukayo, inathafi neshehelethe nehelibena, amakha kanye nenhlaka ecwengekileyo, kulingane konke,

[35]wenze ngakho impepho, amakha njengokwenza komthaki, ethelwe ngosawoti, enhle, engcwele;

[36]ucolisise enye, uyibeke phambi kobufakazi etendeni lokuhlangana, lapho ngiyakuhlangana khona nawe, ibe ngcwelengcwele kini.

[37]Impepho oyakuyenza ningazenzeli yona njengokuthakwa kwayo; yoba ngcwele kuwe, yenzelwe uJehova.

[38]Yilowo nalowo oyakuyenza enjengayo ukuba ihogelwe uyakunqunywa kubantu bakubo.

Êxodo 31

Os artífices da obra do tabernáculo

Êxodo 35.30–36.1

[1] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[2] Eis que chamei pelo nome a Bezalel, filho de Uri, filho de Hur, da tribo de Judá,

[3] e o enchi do Espírito de Deus, de habilidade, de inteligência e de conhecimento, em todo artifício,

[4] para elaborar desenhos e trabalhar em ouro, em prata, em bronze,

U-Eksodusi 31

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Bheka, ngibize ngegama uBesaleli indodana ka-Uri kaHuri, owesizwe sakwaJuda.

[3]Ngimgcwalisile ngoMoya kaNkulunkulu, ngokuhlakanipha nangokuqonda nangokwazi nangamandla emisebenzini yonke,

[4]ukuba aqambe imisebenzi yobungcweti, asebenze ngegolide, nangesiliva, nangethusi,

[5] para lapidação de pedras de engaste, para entalho de madeira, para toda sorte de lavores.

[6] Eis que lhe dei por companheiro Aoliabe, filho de Aisamaque, da tribo de Dã; e dei habilidade a todos os homens hábeis, para que me façam tudo o que tenho ordenado:

[7] a tenda da congregação, e a arca do Testemunho, e o propiciatório que está por cima dela, e todos os pertences da tenda;

[8] e a mesa com os seus utensílios, e o candelabro de ouro puro com todos os seus utensílios, e o altar do incenso;

[9] e o altar do holocausto com todos os seus utensílios e a bacia com seu suporte;

[10] e as vestes finamente tecidas, e as vestes sagradas do sacerdote Arão, e as vestes de seus filhos, para oficiarem como sacerdotes;

[11] e o óleo da unção e o incenso aromático para o santuário; eles farão tudo segundo tenho ordenado.

O sábado santo e as duas tábuas do Testemunho

[12] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[13] Tu, pois, falarás aos filhos de Israel e lhes dirás: Certamente, guardareis os meus sábados; pois é sinal entre mim e vós nas vossas gerações; para que saibais que eu sou o SENHOR, que vos santifica.

[14] Portanto, guardareis o sábado, porque é santo para vós outros; aquele que o profanar morrerá; pois qualquer que nele

[5]nangokuqopha amatshe okufakwa, nangokuqopha imithi, yebo, ukuba asebenze imisebenzi yonke.

[6]Bheka, mina ngimisile kanye naye u-Oholiyabe indodana ka-Ahisamaki, owesizwe sakwaDani; ezinhliziyweni zazo zonke eziyizingcweti ngenhliziyo ngifake ukuhlakanipha ukuba zikwenze konke engikuyale ngakho:

[7] itende lokuhlangana, nomphongolo wobufakazi, nesihlalo somusa esiphezu kwawo, nezimpahla zonke zetende,

[8]netafula nezitsha zalo, nothi oluhle lwezibani nezitsha zonke zalo, ne-altare lempepho,

[9]ne-altare lomnikelo wokushiswa nezitsha zonke zalo, nomcengezi nesinqe sawo,

[10]nezingubo ezifekethisiweyo, nezambatho ezingcwele zika-Aroni umpristi nezambatho zamadodana akhe zokuba bakhonze esikhundleni sobupristi,

[11]namafutha okugcoba, nempepho yamakha athaphukayo yendawo engcwele, yebo, zenze njengakho konke engikuyale ngakho.

Umyalelo wesabatha

[12]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[13] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Anogcina amasabatha, ngokuba aluphawu phakathi kwami nani ezizukulwaneni zenu ukuba nazi ukuthi nginguJehova oningcwelisayo.

[14] Gcinani isabatha, ngokuba lingcwele kini; yilowo nalowo olonayo uyakubulawa nokubulawa, ngokuba osebenza

fizer alguma obra será eliminado do meio do seu povo.

umsebenzi ngalo uyakunqunywa kubantu bakubo.

15 Seis dias se trabalhará, porém o sétimo dia é o sábado do repouso solene, santo ao SENHOR; qualquer que no dia do sábado fizer alguma obra morrerá.

15 Izinsuku eziyisithupha kosetshenzwa, kepha ngosuku lwesikhombisa kuyisabatha lokuphumula, lingcwele kuJehova: bonke abasebenza umsebenzi ngosuku lwesabatha bayakubulawa nokubulawa.

16 Pelo que os filhos de Israel guardarão o sábado, celebrando-o por aliança perpétua nas suas gerações.

16Ngalokho abakwa-Israyeli bayakuligcina isabatha, balilonde ezizukulwaneni zabo libe yisivumelwano esiphakade.

17 Entre mim e os filhos de Israel é sinal para sempre; porque, em seis dias, fez o SENHOR os céus e a terra, e, ao sétimo dia, descansou, e tomou alento.

17Liluphawu phakathi kwami nabantwana bakwa-Israyeli kuze kube phakade, ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova walenza izulu nomhlaba, kepha ngosuku lwesikhombisa waphumula, waqabuleka.

18 E, tendo acabado de falar com ele no monte Sinai, deu a Moisés as duas tábuas do Testemunho, tábuas de pedra, escritas pelo dedo de Deus.

18 Eseqedile ukukhuluma noMose entabeni yaseSinayi wamnika izibhebhe zombili zobufakazi, izibhebhe zamatshe, zilotshiwe ngomunwe kaNkulunkulu.

Êxodo 32

O bezerro de ouro
Deuteronômio 9.6-21

1 Mas, vendo o povo que Moisés tardava em descer do monte, acercou-se de Arão e lhe disse: Levanta-te, faze-nos deuses que vão adiante de nós; pois, quanto a este Moisés, o homem que nos tirou do Egito, não sabemos o que lhe terá sucedido.

2 Disse-lhes Arão: Tirai as argolas de ouro das orelhas de vossas mulheres, vossos filhos e vossas filhas e trazei-mas.

U-Eksodusi 32

Ithole legolide

1Abantu sebebone ukuthi uMose ulibele ukwehla entabeni, abantu babuthana ku-Aroni, bathi kuye: Vuka usenzele onkulunkulu abazakuhamba phambi kwethu, ngokuba uMose lowo, umuntu owasikhuphula ezweni laseGibithe, asazi ukuthi wehlelwe yini.

2U-Aroni wayesethi kubo: Khumulani amacici egolide asezindlebeni

[3] Então, todo o povo tirou das orelhas as argolas e as trouxe a Arão.

[4] Este, recebendo-as das suas mãos, trabalhou o ouro com buril e fez dele um bezerro fundido. Então, disseram: São estes, ó Israel, os teus deuses, que te tiraram da terra do Egito.

[5] Arão, vendo isso, edificou um altar diante dele e, apregoando, disse: Amanhã, será festa ao SENHOR.

[6] No dia seguinte, madrugaram, e ofereceram holocaustos, e trouxeram ofertas pacíficas; e o povo assentou-se para comer e beber e levantou-se para divertir-se.

[7] Então, disse o SENHOR a Moisés: Vai, desce; porque o teu povo, que fizeste sair do Egito, se corrompeu

[8] e depressa se desviou do caminho que lhe havia eu ordenado; fez para si um bezerro fundido, e o adorou, e lhe sacrificou, e diz: São estes, ó Israel, os teus deuses, que te tiraram da terra do Egito.

[9] Disse mais o SENHOR a Moisés: Tenho visto este povo, e eis que é povo de dura cerviz.

[10] Agora, pois, deixa-me, para que se acenda contra eles o meu furor, e eu os consuma; e de ti farei uma grande nação.

zawomkenu, nakwezamadodana enu, nakwezamadodakazi enu, niwalethe kimi.

[3]Bonke abantu bakhumula-ke amacici egolide asezindlebeni zabo, bawayisa ku-Aroni.

[4] Wawamukela ezandleni zabo, wawabumba ngengwedo, wawenza aba yithole elibunjiweyo, bathi: Nampa onkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibithe.

[5]U-Aroni wakubona, wakha i-altare phambi kwalo; u-Aroni wamemezela wathi: Kusasa kuzakuba khona umkhosi kaJehova.

[6] Bavuka ekuseni ngakusasa, banikela ngeminikelo yokushiswa, baletha iminikelo yokuthula; abantu bahlala phansi ukuba badle, baphuze; bavuka ukuyodlala.

Intukuthelo kaJehova nomkhuleko kaMose

[7] UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Hamba wehle, ngokuba abantu bakho owabakhuphula ezweni laseGibithe benzile isono;

[8]baphambukile masinyane endleleni engabayala ngayo. Bazenzele ithole elibunjiweyo, balikhonza, balihlabela, bathi: Nampa onkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibithe.

[9] UJehova wathi kuMose: Ngibabonile laba bantu; bheka, bangabantu abantamo ilukhuni.

[10]Ngalokho ngiyeke ukuba ulaka lwami lubavuthele, ngibaqede, ngikwenze ube yisizwe esikhulu.

Moisés intercede pelo povo
Êxodo 32.30-35; Deuteronômio 9.25-29

[11] Porém Moisés suplicou ao SENHOR, seu Deus, e disse: Por que se acende, SENHOR, a tua ira contra o teu povo, que tiraste da terra do Egito com grande fortaleza e poderosa mão?

[11] UMose wamshweleza uJehova uNkulunkulu wakhe, wathi: Jehova, ulaka lwakho lubavuthelelani abantu bakho owabakhuphula ezweni laseGibithe ngamandla amakhulu nangesandla esiqinileyo na?

[12] Por que hão de dizer os egípcios: Com maus intentos os tirou, para matá-los nos montes e para consumi-los da face da terra? Torna-te do furor da tua ira e arrepende-te deste mal contra o teu povo.

[12]AbaseGibithe bayakusholoni ukuthi: Wabakhiphela okubi ukuba ababulale ezintabeni, abaqothule ebusweni bomhlaba. Phenduka olakeni lwakho oluvuthayo, uguquke kulobu bubi ngakubantu bakho.

[13] Lembra-te de Abraão, de Isaque e de Israel, teus servos, aos quais por ti mesmo tens jurado e lhes disseste: Multiplicarei a vossa descendência como as estrelas do céu, e toda esta terra de que tenho falado, dá-la-ei à vossa descendência, para que a possuam por herança eternamente.

[13]Khumbula o-Abrahama, no-Isaka, no-Israyeli, izinceku zakho, owazifungela kubo, wathi kubo: Ngiyakwandisa inzalo yenu ibe ngangezinkanyezi zezulu, nginike inzalo yenu lonke leli zwe engikhulumile ngalo, idle ifa lalo kuze kube phakade.

[14] Então, se arrependeu o SENHOR do mal que dissera havia de fazer ao povo.

[14]UJehova wayesephenduka ebubini abethi uzakubenza kubantu bakhe.

[15] E, voltando-se, desceu Moisés do monte com as duas tábuas do Testemunho nas mãos, tábuas escritas de ambos os lados; de um e de outro lado estavam escritas.

[15] UMose waphenduka, wehla entabeni enezibhebhe zombili zobufakazi esandleni sakhe, izibhebhe ezazilotshwe nxazombili, zalotshwa ngalapha nangalapha.

[16] As tábuas eram obra de Deus; também a escritura era a mesma escritura de Deus, esculpida nas tábuas.

[16] Izibhebhe zazingumsebenzi kaNkulunkulu, nokuloba kwakungukuloba kukaNkulunkulu, kuqoshiwe ezibhebheni.

[17] Ouvindo Josué a voz do povo que gritava, disse a Moisés: Há alarido de guerra no arraial.

[17]UJoshuwa wezwa umsindo wabantu bekhamuluka, wathi kuMose: Kukhona umsindo wempi ekamu.

[18] Respondeu-lhe Moisés: Não é alarido dos vencedores nem alarido dos vencidos, mas alarido dos que cantam é o que ouço.

[19] Logo que se aproximou do arraial, viu ele o bezerro e as danças; então, acendendo-se-lhe a ira, arrojou das mãos as tábuas e quebrou-as ao pé do monte;

[20] e, pegando no bezerro que tinham feito, queimou-o, e o reduziu a pó, que espalhou sobre a água, e deu de beber aos filhos de Israel.

[21] Depois, perguntou Moisés a Arão: Que te fez este povo, que trouxeste sobre ele tamanho pecado?

[22] Respondeu-lhe Arão: Não se acenda a ira do meu senhor; tu sabes que o povo é propenso para o mal.

[23] Pois me disseram: Faze-nos deuses que vão adiante de nós; pois, quanto a este Moisés, o homem que nos tirou da terra do Egito, não sabemos o que lhe terá acontecido.

[24] Então, eu lhes disse: quem tem ouro, tire-o. Deram-mo; e eu o lancei no fogo, e saiu este bezerro.

Moisés manda matar os idólatras

[25] Vendo Moisés que o povo estava desenfreado, pois Arão o deixara à solta para vergonha no meio dos seus inimigos,

[26] pôs-se em pé à entrada do arraial e disse: Quem é do SENHOR venha até mim.

[18]Wathi: Akusilo izwi labahalalisa ngokunqoba, akusilo izwi lokukhala ngokunqotshwa, kepha ngizwa umsindo wabahlabelelayo.

[19] Kwathi esasondela ekamu, wabona ithole nokusina; ulaka lukaMose lwase luvutha, wazilahla izibhebhe ezandleni zakhe, wazaphula phansi kwentaba.

[20] Wayeselithatha ithole ababelenzile, walishisa ngomlilo, walicolisisa laze laba luthuli, walivumvuzela emanzini, wabaphuzisa wona abantwana bakwa-Israyeli.

[21]UMose wathi ku-Aroni: Benzeni kuwe laba bantu ukuba ubehlisele isono esingaka na?

[22]Wathi u-Aroni: Ulaka lwenkosi yami malungavuthi; uyabazi abantu ukuthi bathanda ububi.

[23]Ngokuba bathi kimi: Senzele onkulunkulu abazakuhamba phambi kwethu, ngokuba uMose lowo, umuntu owasikhuphula ezweni laseGibithe, asazi ukuthi wehlelwe yini.

[24]Ngase ngithi kubo: Onalo igolide makalikhumule; base benginika lona, ngaliphonsa emlilweni, kwaphuma leli thole.

[25]UMose wababona abantu ukuthi babedlubulundile; ngokuba u-Aroni wayebakhululile baze bahlekwa yizitha zabo;

[26]uMose wayesema esangweni lekamu, wathi: AbakaJehova mabeze kimi. Onke amadodana kaLevi ayesebuthana kuye.

Então, se ajuntaram a ele todos os filhos de Levi,

[27] aos quais disse: Assim diz o SENHOR, o Deus de Israel: Cada um cinja a espada sobre o lado, passai e tornai a passar pelo arraial de porta em porta, e mate cada um a seu irmão, cada um, a seu amigo, e cada um, a seu vizinho.

[27] Wayesethi kuwo: Usho njalo uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Akube yilowo nalowo kini abhince inkemba yakhe ethangeni lakhe, adabule ekamu, aye emuva, aye phambili, kusukela kwelinye isango kuze kube kwelinye isango lekamu, yilowo nalowo abulale umfowabo, nalowo umngane wakhe, nalowo umakhelwane wakhe.

[28] E fizeram os filhos de Levi segundo a palavra de Moisés; e caíram do povo, naquele dia, uns três mil homens.

[28]Amadodana kaLevi enza njengezwi likaMose, kwawa ngalolo suku abantu kungathi abayizinkulungwane ezintathu.

[29] Pois Moisés dissera: Consagrai-vos, hoje, ao SENHOR; cada um contra o seu filho e contra o seu irmão, para que ele vos conceda, hoje, bênção.

[29]Wayesethi uMose: Njengalokhu yilowo nalowo emelene nendodana yakhe nanomfowabo, manizahlukanisele namuhla kuJehova ukuba aninike isibusiso namuhla.

Moisés intercede pelo povo
Êxodo 32.11-14; Deuteronômio 9.25-29

[30] No dia seguinte, disse Moisés ao povo: Vós cometestes grande pecado; agora, porém, subirei ao SENHOR e, porventura, farei propiciação pelo vosso pecado.

[30]Kwathi ngangomuso uMose wathi kubantu: Nenzile isono esikhulu; sengiyakukhuphukela kuJehova, uma mhlawumbe ngingenza ukubuyisana ngesono senu.

[31] Tornou Moisés ao SENHOR e disse: Ora, o povo cometeu grande pecado, fazendo para si deuses de ouro.

[31]UMose wabuyela kuJehova, wathi: Hawu, laba bantu benzile isono esikhulu, bazenzele onkulunkulu ngegolide.

[32] Agora, pois, perdoa-lhe o pecado; ou, se não, risca-me, peço-te, do livro que escreveste.

[32] Nokho uma ubathethelela isono sabo; kepha uma ungabathetheleli, ake ungesule encwadini yakho oyilobileyo.

[33] Então, disse o SENHOR a Moisés: Riscarei do meu livro todo aquele que pecar contra mim.

[33]UJehova wayesethi kuMose: Owonile kimi ngiyakumesula encwadini yami.

[34] Vai, pois, agora, e conduze o povo para onde te disse; eis que o meu Anjo irá adiante de ti; porém, no dia da minha visitação, vingarei, neles, o seu pecado.

[35] Feriu, pois, o SENHOR ao povo, porque fizeram o bezerro que Arão fabricara.

Êxodo 33

O Anjo de Deus irá adiante do povo

[1] Disse o SENHOR a Moisés: Vai, sobe daqui, tu e o povo que tiraste da terra do Egito, para a terra a respeito da qual jurei a Abraão, a Isaque e a Jacó, dizendo: à tua descendência a darei.

[2] Enviarei o Anjo adiante de ti; lançarei fora os cananeus, os amorreus, os heteus, os ferezeus, os heveus e os jebuseus.

[3] Sobe para uma terra que mana leite e mel; eu não subirei no meio de ti, porque és povo de dura cerviz, para que te não consuma eu no caminho.

[4] Ouvindo o povo estas más notícias, pôs-se a prantear, e nenhum deles vestiu seus atavios.

[5] Porquanto o SENHOR tinha dito a Moisés: Dize aos filhos de Israel: És povo de dura cerviz; se por um momento eu subir no meio de ti, te consumirei; tira, pois, de ti os atavios, para que eu saiba o que te hei de fazer.

[34] Kalokhu hamba-ke, uhole abantu, uye kuleyo ndawo engakhuluma ngayo kuwe; bheka, ingelosi yami iyakuhamba phambi kwakho; kepha mhla ngibahambela ngiyakuhambela isono sabo kubo.

[35]UJehova wayesebashaya-ke abantu, ngokuba benza ithole lelo alenzayo u-Aroni.

U-Eksodusi 33

Ukudabuka kwabantu

[1] UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Hamba wenyuke lapha, wena nabantu obakhuphulile ezweni laseGibithe, uye ezweni engalifungela ku-Abrahama, naku-Isaka, nakuJakobe, ngathi: Ngiyakulinika inzalo yakho.

[2] Ngiyakuthuma ingelosi phambi kwakho, ngiwaxoshe amaKhanani, nama-Amori, namaHeti, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi,

[3] uye ezweni elichichima ubisi nezinyosi. Angiyikukhuphuka ngiphakathi kwenu, lokhu ningabantu abantamo ilukhuni, funa nginiqede endleleni.

[4]Abantu beyizwa le ndaba embi badabuka, akwabakho muntu owafaka izivunulo zakhe.

[5]UJehova wayesethi kuMose: Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Ningabantu abantamo ilukhuni; uma ngikhuphuka ngiphakathi kwenu nangokuphazima kweso nje, ngizakuniqeda. Ngalokho khumulani manje izivunulo zenu, ukuze ngazi ukuthi ngiyakwenzani kini.

6 Então, os filhos de Israel tiraram de si os seus atavios desde o monte Horebe em diante.

7 Ora, Moisés costumava tomar a tenda e armá-la para si, fora, bem longe do arraial; e lhe chamava a tenda da congregação. Todo aquele que buscava ao SENHOR saía à tenda da congregação, que estava fora do arraial.

8 Quando Moisés saía para a tenda, fora, todo o povo se erguia, cada um em pé à porta da sua tenda, e olhavam pelas costas, até entrar ele na tenda.

9 Uma vez dentro Moisés da tenda, descia a coluna de nuvem e punha-se à porta da tenda; e o SENHOR falava com Moisés.

10 Todo o povo via a coluna de nuvem que se detinha à porta da tenda; todo o povo se levantava, e cada um, à porta da sua tenda, adorava ao SENHOR.

11 Falava o SENHOR a Moisés face a face, como qualquer fala a seu amigo; então, voltava Moisés para o arraial, porém o moço Josué, seu servidor, filho de Num, não se apartava da tenda.

Moisés roga a Deus a sua presença

12 Disse Moisés ao SENHOR: Tu me dizes: Faze subir este povo, porém não me deste saber a quem hás de enviar comigo; contudo, disseste: Conheço-te pelo teu nome; também achaste graça aos meus olhos.

13 Agora, pois, se achei graça aos teus olhos, rogo-te que me faças saber neste

6Abantwana bakwa-Israyeli bazihlubula izivunulo zabo, kusukela entabeni yaseHorebe.

Insika yefu

7UMose wayevama ukulithatha itende, walimisa ngaphandle kwekamu, libe kude nekamu, walibiza ngokuthi itende lokuhlangana. Kwathi bonke abamfunayo uJehova baphuma, baya etendeni lokuhlangana elalingaphandle kwekamu.

8Kwathi uMose ephuma eya etendeni, bonke abantu basukuma bema, kwaba yilowo nalowo ngasemnyango wetende lakhe, bambuka uMose waze wangena etendeni.

9Kwathi uMose engena etendeni, insika yefu yehla, yema ngasemnyango wetende; uJehova wakhuluma noMose.

10Bonke abantu bayibona insika yefu imi ngasemnyango wetende; bonke abantu basukuma, bakhuleka, kwaba yilowo nalowo ngasemnyango wetende lakhe.

11 UJehova wakhuluma kuMose ubuso nobuso, njengalokhu umuntu ekhuluma nomhlobo wakhe. Wabuyela ekamu, kepha inceku yakhe uJoshuwa indodana kaNuni, insizwa, ayiphumanga etendeni.

UMose ucela ukubona inkazimulo kaJehova

12UMose wathi kuJehova: Bheka, uthi kimi: Khuphula laba bantu, kepha awungazisanga yena oyakumthuma nami. Nokho ushilo ukuthi: Ngiyakwazi ngegama, ufumene umusa emehlweni ami.

13 Ngalokho uma ngifumene umusa emehlweni akho, ake ungibonise izindlela

momento o teu caminho, para que eu te conheça e ache graça aos teus olhos; e considera que esta nação é teu povo.

14 Respondeu-lhe: A minha presença irá contigo, e eu te darei descanso.

15 Então, lhe disse Moisés: Se a tua presença não vai comigo, não nos faças subir deste lugar.

16 Pois como se há de saber que achamos graça aos teus olhos, eu e o teu povo? Não é, porventura, em andares conosco, de maneira que somos separados, eu e o teu povo, de todos os povos da terra?

Moisés roga a Deus que lhe mostre a sua glória

17 Disse o SENHOR a Moisés: Farei também isto que disseste; porque achaste graça aos meus olhos, e eu te conheço pelo teu nome.

18 Então, ele disse: Rogo-te que me mostres a tua glória.

19 Respondeu-lhe: Farei passar toda a minha bondade diante de ti e te proclamarei o nome do SENHOR; terei misericórdia de quem eu tiver misericórdia e me compadecerei de quem eu me compadecer.

20 E acrescentou: Não me poderás ver a face, porquanto homem nenhum verá a minha face e viverá.

21 Disse mais o SENHOR: Eis aqui um lugar junto a mim; e tu estarás sobre a penha.

22 Quando passar a minha glória, eu te porei numa fenda da penha e com a mão te cobrirei, até que eu tenha passado.

zakho ukuba ngikwazi, ukuze ngifumane umusa emehlweni akho, ubhekisise ukuthi lesi sizwe singabantu bakho.

14Wayesethi: Ngiyakuhamba mina uqobo, ngikuphumuze, na?

15Wathi kuye: Uma ungahambi wena uqobo, ungasikhuphuli lapha.

16Ngokuba kuyakwaziwa ngani ukuthi ngifumene umusa emehlweni akho, mina nabantu bakho, na? Akungalokhu yini ukuthi uhamba nathi, ukuze sahlukaniswe, mina nabantu bakho, nabanye abantu abasebusweni bomhlaba na?

17UJehova wathi kuMose: Ngiyakwenza nalokho okushiloyo, ngokuba ufumene umusa emehlweni ami; ngiyakwazi ngegama.

18Wayesethi: Ake ngibone inkazimulo yakho.

19 Wathi: Ngiyakudlulisa phambi kwakho ubuhle bami, ngilimemezele igama likaJehova phambi kwakho, ngibe nomusa kuyena engithanda ukuba nomusa kuye, ngibe nesihe kuyena engithanda ukuba nesihe kuye.

20 Wathi: Awunakubona ubuso bami, ngokuba akukho muntu ongangibona, aphile.

21UJehova wathi: Bheka, nansi indawo kimi; uyakuma edwaleni.

22Kuyakuthi isadlula inkazimulo yami, ngiyakukufaka ofantwini lwedwala,

ngikumboze ngesandla sami, ngize ngidlule.

23 Depois, em tirando eu a mão, tu me verás pelas costas; mas a minha face não se verá.

23Besengisusa isandla sami, ubone umhlane wami, kepha ubuso bami abuyikubonwa.

Êxodo 34

As segundas tábuas da lei

Deuteronômio 10.1-5

1 Então, disse o SENHOR a Moisés: Lavra duas tábuas de pedra, como as primeiras; e eu escreverei nelas as mesmas palavras que estavam nas primeiras tábuas, que quebraste.

2 E prepara-te para amanhã, para que subas, pela manhã, ao monte Sinai e ali te apresentes a mim no cimo do monte.

3 Ninguém suba contigo, ninguém apareça em todo o monte; nem ainda ovelhas nem gado se apascentem defronte dele.

4 Lavrou, pois, Moisés duas tábuas de pedra, como as primeiras; e, levantando-se pela manhã de madrugada, subiu ao monte Sinai, como o SENHOR lhe ordenara, levando nas mãos as duas tábuas de pedra.

5 Tendo o SENHOR descido na nuvem, ali esteve junto dele e proclamou o nome do SENHOR.

6 E, passando o SENHOR por diante dele, clamou: SENHOR, SENHOR Deus compassivo, clemente e longânimo e grande em misericórdia e fidelidade;

U-Eksodusi 34

UMose ubuyela eSinayi. Izibhebhe ezintsha zamatshe

1 UJehova wathi kuMose: Zibazele izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala, ngilobe ezibhebheni amazwi ayesezibhebheni zokuqala owazaphulayo.

2Mawube usulungele kusasa, ukhuphukele entabeni yaseSinayi ekuseni, ume khona phambi kwami esiqongweni sentaba.

3Akuyikukhuphuka muntu nawe, kungabonakali muntu entabeni yonke, futhi kungaklabi zimvu nazinkomo ngaphambi kwaleyo ntaba.

4Wayesebaza izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala; uMose wavuka ekuseni kakhulu, wakhuphukela entabeni yaseSinayi, njengalokho uJehova emyalile; waphatha ngesandla sakhe izibhebhe ezimbili zamatshe.

5UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaJehova.

6 UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso,

[7] que guarda a misericórdia em mil gerações, que perdoa a iniqüidade, a transgressão e o pecado, ainda que não inocenta o culpado, e visita a iniqüidade dos pais nos filhos e nos filhos dos filhos, até à terceira e quarta geração!

[8] E, imediatamente, curvando-se Moisés para a terra, o adorou;

[9] e disse: SENHOR, se, agora, achei graça aos teus olhos, segue em nosso meio conosco; porque este povo é de dura cerviz. Perdoa a nossa iniqüidade e o nosso pecado e toma-nos por tua herança.

Deus faz uma aliança e admoesta contra a infidelidade

Deuteronômio 7.1-5

[10] Então, disse: Eis que faço uma aliança; diante de todo o teu povo farei maravilhas que nunca se fizeram em toda a terra, nem entre nação alguma, de maneira que todo este povo, em cujo meio tu estás, veja a obra do SENHOR; porque coisa terrível é o que faço contigo.

[11] Guarda o que eu te ordeno hoje: eis que lançarei fora da sua presença os amorreus, os cananeus, os heteus, os ferezeus, os heveus e os jebuseus.

[12] Abstém-te de fazer aliança com os moradores da terra para onde vais, para que te não sejam por cilada.

[13] Mas derribareis os seus altares, quebrareis as suas colunas e cortareis os seus postes-ídolos

[7] ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala, ehambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine.

[8]UMose washesha wakhothamela emhlabathini, wakhuleka.

[9]Wathi: Nkosi, uma ngifumene umusa emehlweni akho, iNkosi mayihambe iphakathi kwethu, ngokuba bangabantu abantamo ilukhuni; usithethelele ububi bethu nokona kwethu, usithabathe sibe yifa lakho.

[10] Wayesethi: Bheka, ngiyenza isivumelwano; phambi kwabantu bonke bakho ngiyakuzenza izimangaliso ezingazange zenziwe emhlabeni wonke nakusiphi isizwe; bonke abantu okhona phakathi kwabo bayakuwubona umsebenzi kaJehova, ngokuba kuyesabeka lokhu engikwenza kuwe.

[11]Qaphela lokhu engikuyala ngakho namuhla: bheka, ngixosha phambi kwakho ama-Amori, namaKhanani, namaHeti, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi.

[12] Xwaya ukuba ungasenzi isivumelwano nabakhileyo ezweni oya kulo, funa babe lugibe kuwe.

[13]Kepha niyakuwadiliza ama-altare abo, niziphahlaze izinsika zabo, nibagawule o-Ashera babo,

[14] (porque não adorarás outro deus; pois o nome do SENHOR é Zeloso; sim, Deus zeloso é ele);

[15] para que não faças aliança com os moradores da terra; não suceda que, em se prostituindo eles com os deuses e lhes sacrificando, alguém te convide, e comas dos seus sacrifícios

[16] e tomes mulheres das suas filhas para os teus filhos, e suas filhas, prostituindo-se com seus deuses, façam que também os teus filhos se prostituam com seus deuses.

[17] Não farás para ti deuses fundidos.

As três festas

Êxodo 23.14-19; Levítico 23.4-21,33-44; Deuteronômio 16.1-17

[18] Guardarás a Festa dos Pães Asmos; sete dias comerás pães asmos, como te ordenei, no tempo indicado no mês de abibe; porque no mês de abibe saíste do Egito.

[19] Todo o que abre a madre é meu; também de todo o teu gado, sendo macho, o que abre a madre de vacas e de ovelhas.
[20] O jumento, porém, que abrir a madre, resgatá-lo-ás com cordeiro; mas, se o não resgatares, será desnucado. Remirás todos os primogênitos de teus filhos. Ninguém aparecerá diante de mim de mãos vazias.
[21] Seis dias trabalharás, mas, ao sétimo dia, descansarás, quer na aradura, quer na sega.

[14] ngokuba awuyikukhonza omunye unkulunkulu, lokhu uJehova, igama lakhe linguMhawu, unguNkulunkulu onomhawu,
[15]funa wenze isivumelwano nabakhileyo ezweni, baye baphinge nawonkulunkulu babo, bahlabele onkulunkulu babo, omunye akumeme, udle umhlatshelo wakhe,
[16] uthathele amadodana akho amadodakazi abo, amadodakazi abo aye aphinge nawonkulunkulu babo, enze ukuba amadodana akho aye aphinge nawonkulunkulu babo.
[17] Awuyikuzenzela onkulunkulu ababunjiweyo.

[18] Umkhosi wesinkwa esingenamvubelo wowugcina. Uyakudla isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa, njengalokho ngakuyala, ngesikhathi esinqunyiweyo senyanga ka-Abibi, ngokuba ngenyanga ka-Abibi waphuma eGibithe.
[19] Konke okuvula isizalo kungokwami, nawo onke amaduna ezinkomo zakho, amazibulo ezinkomo nawezimvu.
[20] Kepha izibulo lembongolo wolihlenga ngewundlu; uma ungalihlengi, ulaphule intamo. Amazibulo onke amadodana akho wowahlenga, kungabonakali muntu phambi kwami engaphethe lutho.

[21] Wosebenza izinsuku eziyisithupha, uphumule ngosuku lwesikhombisa;

	uyakuphumula ngesikhathi sokulima nangokuvuna.
[22] Também guardarás a Festa das Semanas, que é a das primícias da sega do trigo, e a Festa da Colheita no fim do ano.	[22] Uyakugcina umkhosi wamasonto, owolibo lukakolweni ovuniweyo, nomkhosi wokuvuna ngasekupheleni komnyaka.
[23] Três vezes no ano, todo homem entre ti aparecerá perante o SENHOR Deus, Deus de Israel.	[23]Kathathu ngomnyaka abesilisa bakho bonke bayakubonakala phambi kweNkosi uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli.
[24] Porque lançarei fora as nações de diante de ti e alargarei o teu território; ninguém cobiçará a tua terra quando subires para comparecer na presença do SENHOR, teu Deus, três vezes no ano.	[24]Ngokuba ngiyakuxosha izizwe phambi kwakho, ngandise imikhawulo yakho; akuyikubakho muntu olifisa izwe lakho, nxa ukhuphuka uya ukubonakala phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho kathathu ngomnyaka.
[25] Não oferecerás o sangue do meu sacrifício com pão levedado; nem ficará o sacrifício da Festa da Páscoa da noite para a manhã.	[25] Awuyikunikela ngegazi lomhlatshelo womkhosi wephasika kuze kuse.
[26] As primícias dos primeiros frutos da tua terra trarás à Casa do SENHOR, teu Deus. Não cozerás o cabrito no leite da sua própria mãe.	[26] Izandulela zolibo lwezwe lakho woziyisa endlini kaJehova uNkulunkulu wakho. Awuyikupheka izinyane lembuzi obisini lukanina.
[27] Disse mais o SENHOR a Moisés: Escreve estas palavras, porque, segundo o teor destas palavras, fiz aliança contigo e com Israel.	[27] UJehova wathi kuMose: Zilobele lawa mazwi, ngokuba ngokwalawa mazwi ngenzile isivumelwano nawe nabakwa-Israyeli.
[28] E, ali, esteve com o SENHOR quarenta dias e quarenta noites; não comeu pão, nem bebeu água; e escreveu nas tábuas as palavras da aliança, as dez palavras.	[28]Wayelapho noJehova izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane, kadlanga lutho, kaphuzanga manzi. Waloba ezibhebheni amazwi esivumelwano, imiyalelo eyishumi.
O rosto de Moisés resplandece	**Inkazimulo yasebusweni bukaMose**
[29] Quando desceu Moisés do monte Sinai, tendo nas mãos as duas tábuas do	[29] Kwathi uMose esehla entabeni yaseSinayi, izibhebhe zombili zobufakazi

Testemunho, sim, quando desceu do monte, não sabia Moisés que a pele do seu rosto resplandecia, depois de haver Deus falado com ele.

30 Olhando Arão e todos os filhos de Israel para Moisés, eis que resplandecia a pele do seu rosto; e temeram chegar-se a ele.

31 Então, Moisés os chamou; Arão e todos os príncipes da congregação tornaram a ele, e Moisés lhes falou.

32 Depois, vieram também todos os filhos de Israel, aos quais ordenou ele tudo o que o SENHOR lhe falara no monte Sinai.

33 Tendo Moisés acabado de falar com eles, pôs um véu sobre o rosto.

34 Porém, vindo Moisés perante o SENHOR para falar-lhe, removia o véu até sair; e, saindo, dizia aos filhos de Israel tudo o que lhe tinha sido ordenado.

35 Assim, pois, viam os filhos de Israel o rosto de Moisés, viam que a pele do seu rosto resplandecia; porém Moisés cobria de novo o rosto com o véu até entrar a falar com ele.

Êxodo 35

O Sábado

1 Tendo Moisés convocado toda a congregação dos filhos de Israel, disse-lhes: São estas as palavras que o SENHOR ordenou que se cumprissem:

zisesandleni sikaMose esehla entabeni, uMose wayengazi ukuthi isikhumba sobuso bakhe sasikhazimula ngenxa yokukhuluma kwakhe naye.

30Bathi u-Aroni nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli bembona uMose, bheka, isikhumba sobuso bakhe sasikhazimula, besaba ukusondela kuye.

31UMose wayesebabiza; u-Aroni nazo zonke izinduna zenhlangano babuyela-ke kuye; uMose wayesekhuluma kubo.

32Ngasemuva bonke abantwana bakwa-Israyeli basondela, wabayala ngakho konke uJehova akukhulume kuye entabeni yaseSinayi.

33 UMose eseqedile ukukhuluma nabo, wafaka iveli ebusweni bakhe.

34Kepha uMose esezakungena phambi kukaJehova ukukhuluma naye, walikhumula iveli waze waphuma; waphuma, wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli lokho akuyalelweyo.

35Abantwana bakwa-Israyeli babubona ubuso bukaMose ukuthi isikhumba sobuso bukaMose sasikhazimula; uMose wayesebuye walifaka iveli ebusweni bakhe waze wangena ukuyokhuluma naye.

U-Eksodusi 35

Umyalelo wesabatha

1UMose wabutha yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, wathi kuyo: Yilawa mazwi awayalile uJehova ukuba niwenze.

[2] Trabalhareis seis dias, mas o sétimo dia vos será santo, o sábado do repouso solene ao SENHOR; quem nele trabalhar morrerá.

[3] Não acendereis fogo em nenhuma das vossas moradas no dia do sábado.

Deus manda trazer ofertas para o tabernáculo
Êxodo 25.1-9

[4] Disse mais Moisés a toda a congregação dos filhos de Israel: Esta é a palavra que o SENHOR ordenou, dizendo:

[5] Tomai, do que tendes, uma oferta para o SENHOR; cada um, de coração disposto, voluntariamente a trará por oferta ao SENHOR: ouro, prata, bronze,

[6] estofo azul, púrpura, carmesim, linho fino, pêlos de cabra,

[7] peles de carneiro tintas de vermelho, peles finas, madeira de acácia,

[8] azeite para a iluminação, especiarias para o óleo da unção e para o incenso aromático,

[9] pedras de ônix e pedras de engaste para a estola sacerdotal e para o peitoral.

Os utensílios do tabernáculo
Êxodo 39.32-43

[10] Venham todos os homens hábeis entre vós e façam tudo o que o SENHOR ordenou:

[11] o tabernáculo com sua tenda e a sua coberta, os seus ganchos, as suas tábuas, as sua vergas, as suas colunas e as suas bases;

[2] Izinsuku eziyisithupha kosetshenzwa umsebenzi, kepha ngosuku lwesikhombisa kuyakuba kini usuku olungcwele, lube yisabatha lokuphumula likaJehova; bonke abenza umsebenzi ngalo bayakubulawa.

[3]Aniyikubasa mlilo ezindlini zenu ngosuku lwesabatha.

Inkongozelo yetabernakele*

[4]UMose wakhuluma kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, wathi: Yile nto ayale ngayo uJehova, ethi:

[5] Thabathani phakathi kwenu umnikelo ube ngokaJehova; bonke abanenhliziyo ethandayo mabawulethe, ube ngumnikelo kaJehova: igolide, nesiliva, nethusi,

[6]nokuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya bezimbuzi,

[7]nezikhumba ezibomvu zezinqama, nezikhumba zamatahasi, nomuthi womtholo,

[8]namafutha okukhanyisa, namakha amafutha okugcoba nawempepho ethaphukayo,

[9]namatshe amashohamu, namatshe okufakwa, abe ngawengubo yamahlombe nawesihlangu sesifuba.

[10] Bonke abahlakaniphile ngenhliziyo mabeze, bakwenze konke uJehova akuyalileyo:

[11] itabernakele, netende lalo, nesifulelo salo, nezinkibaniso zalo, namapulangwe alo, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezinyawo zalo;

[12] a arca e os seus varais, o propiciatório e o véu do reposteiro;

[13] a mesa e os seus varais, e todos os seus utensílios, e os pães da proposição;

[14] o candelabro da iluminação, e os seus utensílios, e as suas lâmpadas, e o azeite para a iluminação;

[15] o altar do incenso e os seus varais, e o óleo da unção, e o incenso aromático, e o reposteiro da porta à entrada do tabernáculo;

[16] o altar do holocausto e a sua grelha de bronze, os seus varais e todos os seus utensílios, a bacia e o seu suporte;

[17] as cortinas do átrio, e as suas colunas, e as suas bases, e o reposteiro da porta do átrio;

[18] as estacas do tabernáculo, e as estacas do átrio, e as suas cordas;

[19] as vestes do ministério para ministrar no santuário, as vestes santas do sacerdote Arão e as vestes de seus filhos, para oficiarem como sacerdotes.

A prontidão do povo em trazer ofertas

[20] Então, toda a congregação dos filhos de Israel saiu da presença de Moisés,

[21] e veio todo homem cujo coração o moveu e cujo espírito o impeliu e trouxe a oferta ao SENHOR para a obra da tenda da congregação, e para todo o seu serviço, e para as vestes sagradas.

[12]umphongolo nezinti zawo, nesihlalo somusa, nesihenqo seveli;

[13]itafula nezinti zalo nezitsha zonke zalo, nezinkwa zokubukwa;

[14]nothi lwezibani lokukhanyisa, nezitsha zalo nezibani zalo, namafutha okukhanyisa;

[15]ne-altare lempepho nezinti zalo, namafutha okugcoba, nempepho ethaphukayo, neveli lomnyango ngasemnyango wetabernakele;

[16]i-altare lomnikelo wokushiswa nehele lalo lethusi, nezinti zalo, nezitsha zonke zalo, nomcengezi nesinqe sawo,

[17]nezilenge zegceke, nezinsika zalo, nezinyawo zazo, neveli lesango legceke,

[18]nezikhonkwane zetabernakele, nezikhonkwane zegceke, nezintambo zazo,

[19]nezambatho ezifekethisiweyo zokukhonza endaweni engcwele, nezambatho ezingcwele zika-Aroni umpristi, nezambatho zamadodana akhe zokukhonza esikhundleni sobupristi.

[20]Yayisisuka yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ebusweni bukaMose.

[21]Bafika, kwaba yilowo nalowo owavuswa yinhliziyo yakhe nowaqhutshwa ngumoya wakhe, baletha umnikelo kaJehova ube ngowomsebenzi wetende lokuhlangana, nowenkonzo yonke yalo, nowezambatho ezingcwele.

[22] Vieram homens e mulheres, todos dispostos de coração; trouxeram fivelas, pendentes, anéis, braceletes, todos os objetos de ouro; todo homem fazia oferta de ouro ao SENHOR;

[22]Beza abesilisa nabesifazane, bonke abaqhutshwa yizinhliziyo zabo, baletha iziqhobosho namacici nezindandatho namasongo, izinto zonke zegolide, bonke ababenokunikela ngomnikelo wegolide kuJehova.

[23] e todo homem possuidor de estofo azul, púrpura, carmesim, linho fino, pêlos de cabra, peles de carneiro tintas de vermelho e peles de animais marinhos os trazia.

[23]Bonke okwafunyanwa kubo okuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya bezimbuzi, nezikhumba ezibomvu zezinqama, nezikhumba zamatahasi, bakuletha.

[24] Todo aquele que fazia oferta de prata ou de bronze por oferta ao SENHOR a trazia; e todo possuidor de madeira de acácia para toda obra do serviço a trazia.

[24]Bonke abanikela ngomnikelo wesiliva nowethusi baletha umnikelo kuJehova, nabo bonke okwafunyanwa kubo umuthi womtholo womsebenzi wenkonzo bawuletha.

[25] Todas as mulheres hábeis traziam o que, por suas próprias mãos, tinham fiado: estofo azul, púrpura, carmesim e linho fino.

[25]Bonke abesifazane abahlakaniphile ngenhliziyo baphotha ngezandla zabo, baletha okuphothiweyo, okuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo.

[26] E todas as mulheres cujo coração as moveu em habilidade fiavam os pêlos de cabra.

[26]Bonke abesifazane abavuselwa yizinhliziyo zabo ukuhlakanipha baphotha uboya bezimbuzi.

[27] Os príncipes traziam pedras de ônix, e pedras de engaste para a estola sacerdotal e para o peitoral,

[27]Izinduna zaletha amatshe amashohamu namatshe okufakwa, awengubo yamahlombe nawesihlangu sesifuba,

[9] Porém as entranhas e as pernas, o sacerdote as lavará com água; e queimará

ULevitikusi 1

Umthetho weminikelo yokushiswa

[1]UJehova esetendeni lokuhlangana wambiza uMose, wakhuluma kuye, wathi:

[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa umuntu wakini eletha umnikelo kuJehova, anonikela ngomnikelo wenu wezinkomo zemihlambi nowezimvu.

[3] Uma umnikelo wakhe ungumnikelo wokushiswa wemihlambi, uyakunikela ngeduna elingenasici, anikele ngalo ngasemnyango wetende lokuhlangana, aze amukeleke kuJehova.

[4] Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wokushiswa; uyakwamukelwa ngenxa yakhe, umenzele ukubuyisana.

[5]Wolihlaba iduna phambi kukaJehova, amadodana ka-Aroni, abapristi, alethe igazi, afafaze ngegazi nxazonke ze-altare elingasemnyango wetende lokuhlangana.

[6]Uyakuhlinza umnikelo wokushiswa, awuhlahlele izitho.

[7]Amadodana ka-Aroni umpristi abeke umlilo e-altare, ahlele izinkuni phezu komlilo;

[8]amadodana ka-Aroni, abapristi, ahlele izitho, nenhloko, namanoni, phezu kwezinkuni ezisemlilweni ophezu kwe-altare,

[9] ahlanze izibilini zalo namanqina alo ngamanzi, umpristi akushise konke e-

tudo isso sobre o altar; é holocausto, oferta queimada, de aroma agradável ao SENHOR.

altare, kube ngumnikelo wokushiswa, umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova.

[10] Se a sua oferta for de gado miúdo, de carneiros ou de cabritos, para holocausto, trará macho sem defeito.

[10] Uma umnikelo wakhe ungowemihlambi, owasezimvini noma owasezimbuzini, ube ngumnikelo wokushiswa, wonikela ngeduna elingenasici.

[11] E o imolará ao lado do altar, para o lado norte, perante o SENHOR; e os filhos de Arão, os sacerdotes, aspergirão o seu sangue em redor sobre o altar.

[11]Alihlabe ngasohlangothini lwe-altare olungasenyakatho phambi kukaJehova; amadodana ka-Aroni, abapristi, afafaze i-altare ngegazi lalo nxazonke.

[12] Depois, ele o cortará em seus pedaços, como também a sua cabeça e o seu redenho; e o sacerdote os porá em ordem sobre a lenha que está no fogo sobre o altar;

[12]Alihlahlele izitho nenhloko yalo namanoni alo, umpristi akuhlele phezu kwezinkuni ezisemlilweni ophezu kwe-altare,

[13] porém as entranhas e as pernas serão lavadas com água; e o sacerdote oferecerá tudo isso e o queimará sobre o altar; é holocausto, oferta queimada, de aroma agradável ao SENHOR.

[13]ahlanze izibilini zalo namanqina alo ngamanzi, umpristi anikele ngakho konke, akushise e-altare kube ngumnikelo wokushiswa, umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova.

[14] Se a sua oferta ao SENHOR for holocausto de aves, trará a sua oferta de rolas ou de pombinhos.

[14] Uma umnikelo wakhe kuJehova ungumnikelo wokushiswa kwezinyoni, wonikela ngomnikelo wamahobhe noma ngowamaphuphu amajuba.

[15] O sacerdote a trará ao altar, e, com a unha, lhe destroncará a cabeça, sem a separar do pescoço, e a queimará sobre o altar; o seu sangue, ele o fará correr na parede do altar;

[15]Umpristi awulethe e-altare, awushumpule inhloko, awushise e-altare, igazi lawo likhanyelwe ngasohlangothini lwe-altare,

[16] tirará o papo com suas penas e o lançará junto ao altar, para o lado oriental, no lugar da cinza;

[16]asuse ingila nezimpaphe, akulahle ngaseceleni kwe-altare ngasempumalanga endaweni yomlotha,

[17] rasgá-la-á pelas asas, porém não a partirá; o sacerdote a queimará sobre o altar, em cima da lenha que está no fogo; é holocausto, oferta queimada, de aroma agradável ao SENHOR.

[17]awuqaqe ngamaphiko awo, angawudabuli kodwa; umpristi awushise e-altare phezu kwezinkuni ezisemlilweni, ube ngumnikelo wokushiswa, umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova.

Levítico 2

As ofertas de manjares

[1] Quando alguma pessoa fizer oferta de manjares ao SENHOR, a sua oferta será de flor de farinha; nela, deitará azeite e, sobre ela, porá incenso.

[2] Levá-la-á aos filhos de Arão, os sacerdotes, um dos quais tomará dela um punhado da flor de farinha e do seu azeite com todo o seu incenso e os queimará como porção memorial sobre o altar; é oferta queimada, de aroma agradável ao SENHOR.

[3] O que ficar da oferta de manjares será de Arão e de seus filhos; é coisa santíssima das ofertas queimadas ao SENHOR.

[4] Quando trouxeres oferta de manjares, cozida no forno, será de bolos asmos de flor de farinha amassados com azeite e obreias asmas untadas com azeite.

[5] Se a tua oferta for de manjares cozida na assadeira, será de flor de farinha sem fermento amassada com azeite.

ULevitikusi 2

Umthetho weminikelo yempuphu

[1] Nxa umuntu enikela ngomnikelo wempuphu kuJehova, umnikelo woba yimpuphu ecolekileyo, athele amafutha kuwo, abeke inhlaka kuwo,

[2]awulethe kumadodana ka-Aroni, abapristi, acaphune kuwo ngokhweshe wempuphu ecolekileyo yawo nowamafutha awo, kanye nayo yonke inhlaka yawo, umpristi awushise ube yisikhumbuzo sawo e-altare, umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova;

[3]okuseleyo komnikelo wempuphu kuyakuba ngokuka-Aroni nokwamadodana akhe; kungcwelengcwele eminikelweni yomlilo kaJehova.

[4] Nxa uletha umnikelo wempuphu ephekwe eziko, woba ngamaqebelengwane angenamvubelo empuphu ecolekileyo exovwe namafutha, noma imiqathane engenamvubelo, egcotshwe ngamafutha.

[5]Uma umnikelo wakho ungumnikelo wempuphu ephekwe ngomqengele, woba ngowempuphu ecolekileyo engenamvubelo, exovwe ngamafutha.

6 Em pedaços a partirás e, sobre ela, deitarás azeite; é oferta de manjares.	6Uwuhlephule izingcezu, uthele amafutha kuzo; kungumnikelo wempuphu.
7 Se a tua oferta for de manjares de frigideira, far-se-á de flor de farinha com azeite.	7Uma umnikelo wakho ungumnikelo wempuphu ephekwe ngokhamba, uyakwenziwa ngempuphu ecolekileyo kanye namafutha.
8 E a oferta de manjares, que daquilo se fará, trarás ao SENHOR; será apresentada ao sacerdote, o qual a levará ao altar.	8Woletha kuJehova umnikelo wempuphu owenziwe ngalezo zinto, unikelwe kumpristi, yena awuyise e-altare.
9 Da oferta de manjares tomará o sacerdote a porção memorial e a queimará sobre o altar; é oferta queimada, de aroma agradável ao SENHOR.	9Umpristi makathabathe okuyisikhumbuzo kuwo umnikelo wempuphu, akushise e-altare kube ngumnikelo womlilo, kube yiphunga elimnandi kuJehova.
10 O que ficar da oferta de manjares será de Arão e de seus filhos; é coisa santíssima das ofertas queimadas ao SENHOR.	10Okuseleyo komnikelo wempuphu kuyakuba ngokuka-Aroni nokwamadodana akhe; kungcwelengcwele eminikelweni yomlilo kaJehova.
11 Nenhuma oferta de manjares, que fizerdes ao SENHOR, se fará com fermento; porque de nenhum fermento e de mel nenhum queimareis por oferta ao SENHOR.	11 Awuyikwenziwa ngemvubelo umnikelo wempuphu eninikela ngawo kuJehova, ngokuba aniyikushisa imvubelo nazinyosi kube ngumnikelo womlilo kuJehova.
12 Deles, trareis ao SENHOR por oferta das primícias; todavia, não se porão sobre o altar como aroma agradável.	12 Anonikela ngakho kube ngumnikelo wolibo; kungenyukeli e-altare nokho, kube yiphunga elimnandi.
13 Toda oferta dos teus manjares temperarás com sal; à tua oferta de manjares não deixarás faltar o sal da aliança do teu Deus; em todas as tuas ofertas aplicarás sal.	13 Yonke iminikelo yakho yempuphu iyoliswe ngosawoti; ungavumeli ukuba usawoti wesivumelwano sikaNkulunkulu wakho asilale emnikelweni wakho wempuphu; wonikela ngayo yonke iminikelo yakho inosawoti.
14 Se trouxeres ao SENHOR oferta de manjares das primícias, farás a oferta de	14 Uma unikela ngomnikelo wempuphu wolibo kuJehova, wonikela ngezikhwebu

manjares das tuas primícias de espigas verdes, tostadas ao fogo, isto é, os grãos esmagados de espigas verdes.
15 Deitarás azeite sobre ela e, por cima, lhe porás incenso; é oferta de manjares.

16 Assim, o sacerdote queimará a porção memorial dos grãos de espigas esmagados e do azeite, com todo o incenso; é oferta queimada ao SENHOR.

zamabele ezosiwe ngomlilo, amabele agquliweyo ezikhwebu ezintsha, ube ngumnikelo wempuphu wolibo lwakho,
15uthele amafutha kuwo, ubeke inhlaka phezu kwawo; kungumnikelo wempuphu.
16Umpristi ashise okuyisikhumbuzo sawo, inxenye yamabele agquliweyo awo nenxenye yamafutha awo kanye nayo yonke inhlaka yawo; kungumnikelo womlilo kuJehova.

Levítico 3

Os sacrifícios pacíficos

1 Se a oferta de alguém for sacrifício pacífico, se a fizer de gado, seja macho ou fêmea, oferecê-la-á sem defeito diante do SENHOR.

2 E porá a mão sobre a cabeça da sua oferta e a imolará diante da porta da tenda da congregação; e os filhos de Arão, os sacerdotes, aspergirão o sangue sobre o altar, ao redor.

3 Do sacrifício pacífico fará oferta queimada ao SENHOR: a gordura que cobre as entranhas e toda a gordura que está sobre as entranhas,

4 como também os dois rins, a gordura que está sobre eles e junto aos lombos; e o redenho sobre o fígado com os rins, tirá-los-á.
5 E os filhos de Arão queimarão tudo isso sobre o altar, em cima do holocausto, que estará sobre a lenha no fogo; é oferta

ULevitikusi 3

Umthetho weminikelo yokuthula

1 Uma umnikelo wakhe ungumhlatshelo weminikelo yokuthula, enikela ngowemihlambi, noma iduna noma insikazi, wonikela ngawo phambi kukaJehova ungenasici.
2Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wakhe, awuhlabe ngasemnyango wetende lokuhlangana, amadodana ka-Aroni, abapristi, afafaze i-altare nxazonke ngegazi.
3Wothabatha kuwo umhlatshelo weminikelo yokuthula, anikele ngomnikelo womlilo kuJehova, umhlehlo osibekela izibilini nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

4nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni.

5 Amadodana ka-Aroni ayakukushisa e-altare phezu komnikelo wokushiswa ophezu kwezinkuni ezisemlilweni, kube

queimada, de aroma agradável ao SENHOR.

[6] Se a sua oferta por sacrifício pacífico ao SENHOR for de gado miúdo, seja macho ou fêmea, sem defeito a oferecerá.

[7] Se trouxer um cordeiro por sua oferta, oferecê-lo-á perante o SENHOR.

[8] E porá a mão sobre a cabeça da sua oferta e a imolará diante da tenda da congregação; e os filhos de Arão aspergirão o sangue sobre o altar, em redor.

[9] Então, do sacrifício pacífico trará ao SENHOR por oferta queimada a sua gordura: a cauda toda, a qual tirará rente ao espinhaço, e a gordura que cobre as entranhas, e toda a gordura que está sobre as entranhas,

[10] como também os dois rins, a gordura que está sobre eles e junto aos lombos; e o redenho sobre o fígado com os rins, tirá-los-á.

[11] E o sacerdote queimará tudo isso sobre o altar; é manjar da oferta queimada ao SENHOR.

[12] Mas, se a sua oferta for uma cabra, perante o SENHOR a trará.

[13] E porá a mão sobre a sua cabeça e a imolará diante da tenda da congregação; e os filhos de Arão aspergirão o sangue sobre o altar, em redor.

ngumnikelo womlilo, kube yiphunga elimnandi kuJehova.

[6] Uma umnikelo wakhe nomhlatshelo weminikelo yokuthula kuJehova ungowezimvu, noma iduna noma insikazi, wonikela ngawo ungenasici.

[7]Uma enikela ngemvu, ibe ngumnikelo wakhe, wonikela ngayo phambi kukaJehova,

[8]abeke isandla sakhe enhloko yomnikelo wakhe, awuhlabe ngaphambi kwetende lokuhlangana, amadodana ka-Aroni afafaze i-altare nxazonke ngegazi lawo.

[9]Wothabatha kuwo umhlatshelo weminikelo yokuthula, anikele ngomnikelo womlilo kuJehova amanoni awo, nomsila wonke ononileyo, awunqume eduze nomhlandla, namanoni asibekela izibilini, nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

[10]nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni.

[11]Umpristi uyakukushisa e-altare; kungukudla komnikelo womlilo kuJehova.

[12] Uma umnikelo wakhe uyimbuzi, wonikela ngayo phambi kukaJehova,

[13]abeke isandla sakhe enhloko yayo, ayihlabe ngaphambi kwetende lokuhlangana, amadodana ka-Aroni afafaze i-altare nxazonke ngegazi layo.

[14] Depois, trará dela a sua oferta, por oferta queimada ao SENHOR: a gordura que cobre as entranhas e toda a gordura que está sobre as entranhas,

[15] como também os dois rins, a gordura que está sobre eles e junto aos lombos; e o redenho sobre o fígado com os rins, tirá-los-á.

[16] E o sacerdote queimará tudo isso sobre o altar; é manjar da oferta queimada, de aroma agradável. Toda a gordura será do SENHOR.

[17] Estatuto perpétuo será durante as vossas gerações, em todas as vossas moradas; gordura nenhuma nem sangue jamais comereis.

[14]Abesethabatha kuyo, anikele ngomnikelo wakhe ube ngumnikelo womlilo kuJehova, amanoni asibekela izibilini nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

[15]nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni.

[16]Umpristi uyakukushisa e-altare; kungukudla komnikelo womlilo, kube yiphunga elimnandi; onke amanoni angakaJehova.

[17] Kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke zokuba ningadli amanoni nagazi.

Levítico 4

O sacrifício pelos pecados por ignorância dos sacerdotes

[1] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[2] Fala aos filhos de Israel, dizendo: Quando alguém pecar por ignorância contra qualquer dos mandamentos do SENHOR, por fazer contra algum deles o que não se deve fazer,

[3] se o sacerdote ungido pecar para escândalo do povo, oferecerá pelo seu pecado um novilho sem defeito ao SENHOR, como oferta pelo pecado.

[4] Trará o novilho à porta da tenda da congregação, perante o SENHOR; porá a mão sobre a cabeça do novilho e o imolará perante o SENHOR.

ULevitikusi 4

Umthetho weminikelo yesono

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Uma umuntu ona kungengamabomu kuyo imiyalo uJehova ayale ngayo ukuthi akunakwenziwa akwenze noma yikuphi,

[3]uma kungumpristi ogcotshiweyo owone kanjalo, aze ehlisele abantu icala, wonikela kuJehova ngesono sakhe one ngaso iduna elingenasici, kube ngumnikelo wesono,

[4]ayiyise inkunzi ebusweni bukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana, abeke isandla sakhe enhloko yenkunzi, ayihlabe inkunzi phambi kukaJehova.

[5] Então, o sacerdote ungido tomará do sangue do novilho e o trará à tenda da congregação;

[6] e, molhando o dedo no sangue, aspergirá dele sete vezes perante o SENHOR, diante do véu do santuário.

[7] Também daquele sangue porá o sacerdote sobre os chifres do altar do incenso aromático, perante o SENHOR, altar que está na tenda da congregação; e todo o restante do sangue do novilho derramará à base do altar do holocausto, que está à porta da tenda da congregação.

[8] Toda a gordura do novilho da expiação tirará dele: a gordura que cobre as entranhas e toda a gordura que está sobre as entranhas,

[9] como também os dois rins, a gordura que está sobre eles e junto aos lombos; e o redenho sobre o fígado com os rins, tirá-los-á

[10] como se tiram os do novilho do sacrifício pacífico; e o sacerdote os queimará sobre o altar do holocausto.

[11] Mas o couro do novilho, toda a sua carne, a cabeça, as pernas, as entranhas e o excremento,

[12] a saber, o novilho todo, levá-lo-á fora do arraial, a um lugar limpo, onde se lança a cinza, e o queimará sobre a lenha; será queimado onde se lança a cinza.

Os sacrifícios pelos pecados por ignorância de toda a congregação

Números 15.22-26

[5]Umpristi ogcotshiweyo wothabatha igazi lenkunzi, alilethe ngasemnyango wetende lokuhlangana,

[6]umpristi agcobhoze umunwe wakhe egazini, afafaze ngegazi kasikhombisa phambi kukaJehova, ngaphambi kwesihenqo sendlu engcwele.

[7]Umpristi abhece igazi ezimpondweni ze-altare lempepho ethaphukayo phambi kukaJehova elisetendeni lokuhlangana; lonke elinye igazi lenkunzi wolithulula ngasesinqeni se-altare lomnikelo wokushiswa elingasemnyango wetende lokuhlangana.

[8]Uyakuthabatha onke amanoni enkunzi yomnikelo wesono, amanoni asibekela izibilini nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

[9]nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni,

[10]njengalokho kwasuswa kuyo inkunzi yomhlatshelo weminikelo yokuthula, umpristi akushise e-altare lomnikelo wokushiswa.

[11]Isikhumba senkunzi, nayo yonke inyama yayo, nenhloko yayo, namanqina ayo, nezibilini zayo, nomswani wayo,

[12] yebo, yonke inkunzi uyakuyikhiphela ngaphandle kwekamu, ayiyise endaweni ehlambulukileyo lapho uthululwa khona umlotha.

[13] Mas, se toda a congregação de Israel pecar por ignorância, e isso for oculto aos olhos da coletividade, e se fizerem, contra algum dos mandamentos do SENHOR, aquilo que se não deve fazer, e forem culpados,

[14] e o pecado que cometeram for notório, então, a coletividade trará um novilho como oferta pelo pecado e o apresentará diante da tenda da congregação.

[15] Os anciãos da congregação porão as mãos sobre a cabeça do novilho perante o SENHOR; e será imolado o novilho perante o SENHOR.

[16] Então, o sacerdote ungido trará do sangue do novilho à tenda da congregação;

[17] molhará o dedo no sangue e o aspergirá sete vezes perante o SENHOR, diante do véu.

[18] E daquele sangue porá sobre os chifres do altar que está perante o SENHOR, na tenda da congregação; e todo o restante do sangue derramará à base do altar do holocausto, que está à porta da tenda da congregação.

[19] Tirará do novilho toda a gordura e a queimará sobre o altar;

[20] e fará a este novilho como fez ao novilho da oferta pelo pecado; assim lhe fará, e o sacerdote por eles fará expiação, e eles serão perdoados.

[13] Uma-ke yonke inhlangano yakwa-Israyeli iduka, leyo nto isitheke emehlweni ebandla, benza noma yikuphi kuyo yonke imiyalo uJehova ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, baze babe necala,

[14]lapho isono abone ngaso sesaziwe, ibandla liyakunikela ngeduna libe ngumnikelo wesono, lililethe phambi kwetende lokuhlangana.

[15]Amalunga enhlangano ayakubeka izandla zawo enhloko yenkunzi phambi kukaJehova, inkunzi ihlatshwe phambi kukaJehova.

[16]Umpristi ogcotshiweyo alethe igazi lenkunzi etendeni lokuhlangana.

[17]Umpristi uyakugcobhoza umunwe wakhe egazini, afafaze ngalo kasikhombisa phambi kukaJehova phambi kwesihenqo.

[18] Uyakulibheca igazi ezimpondweni ze-altare eliphambi kukaJehova, elisetendeni lokuhlangana, athulule lonke elinye igazi ngasesinqeni se-altare lomnikelo wokushiswa elingasemnyango wetende lokuhlangana.

[19]Abesethabatha kuyo onke amanoni, awashise e-altare.

[20]Makenze njalo ngenkunzi; njengalokho wenza ngenkunzi yomnikelo wesono, makenze njalo nangalena. Umpristi abenzele ukubuyisana, baze bathethelelwe.

21 Depois, levará o novilho fora do arraial e o queimará como queimou o primeiro novilho; é oferta pelo pecado da coletividade.

21Uyakuyikhiphela inkunzi ngaphandle kwekamu, ayishise, njengalokho wayishisa inkunzi yokuqala: lokhu kungumnikelo wesono webandla.

Os sacrifícios pelos pecados por ignorância de um príncipe

22 Quando um príncipe pecar, e por ignorância fizer alguma de todas as coisas que o SENHOR, seu Deus, ordenou se não fizessem, e se tornar culpado;

22 Nxa kona induna, yenza kungengamabomu noma yikuphi kuyo yonke imiyalo uJehova uNkulunkulu wayo ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, ize ibe necala,

23 ou se o pecado em que ele caiu lhe for notificado, trará por sua oferta um bode sem defeito.

23uma-ke yaziswa isono sayo eyone ngaso, iyakuletha umnikelo wayo ube yimbuzi, eyeduna elingenasici.

24 E porá a mão sobre a cabeça do bode e o imolará no lugar onde se imola o holocausto, perante o SENHOR; é oferta pelo pecado.

24Iyakubeka isandla sayo enhloko yembuzi, iyihlabele endaweni lapho behlabela khona iminikelo yokushiswa phambi kukaJehova; kungumnikelo wesono.

25 Então, o sacerdote, com o dedo, tomará do sangue da oferta pelo pecado e o porá sobre os chifres do altar do holocausto; e todo o restante do sangue derramará à base do altar do holocausto.

25Umpristi wothabatha igazi lomnikelo wesono ngomunwe wakhe, alibhece ezimpondweni ze-altare lomnikelo wokushiswa, igazi lawo alithulule ngasesinqeni se-altare lomnikelo wokushiswa.

26 Toda a gordura da oferta, queimá-la-á sobre o altar, como a gordura do sacrifício pacífico; assim, o sacerdote fará expiação por ele, no tocante ao seu pecado, e este lhe será perdoado.

26Onke amanoni awo uyakuwashisa e-altare njengamanoni omhlatshelo weminikelo yokuthula, umpristi ayenzele ukubuyisana ngesono sayo, ize ithethelelwe.

Os sacrifícios pelos pecados por ignorância de qualquer pessoa

27 Se qualquer pessoa do povo da terra pecar por ignorância, por fazer alguma das coisas que o SENHOR ordenou se não fizessem, e se tornar culpada;

27 Uma kona umuntukazana, enza kungengamabomu noma yikuphi kuyo imiyalo uJehova ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, aze abe necala,

[28] ou se o pecado em que ela caiu lhe for notificado, trará por sua oferta uma cabra sem defeito, pelo pecado que cometeu.

[29] E porá a mão sobre a cabeça da oferta pelo pecado e a imolará no lugar do holocausto.

[30] Então, o sacerdote, com o dedo, tomará do sangue da oferta e o porá sobre os chifres do altar do holocausto; e todo o restante do sangue derramará à base do altar.

[31] Tirará toda a gordura, como se tira a gordura do sacrifício pacífico; o sacerdote a queimará sobre o altar como aroma agradável ao SENHOR; e o sacerdote fará expiação pela pessoa, e lhe será perdoado.

[32] Mas, se pela sua oferta trouxer uma cordeira como oferta pelo pecado, fêmea sem defeito a trará.

[33] E porá a mão sobre a cabeça da oferta pelo pecado e a imolará por oferta pelo pecado, no lugar onde se imola o holocausto.

[34] Então, o sacerdote, com o dedo, tomará do sangue da oferta pelo pecado e o porá sobre os chifres do altar do holocausto; e todo o restante do sangue derramará à base do altar.

[35] Tirará toda a gordura, como se tira a gordura do cordeiro do sacrifício pacífico; o sacerdote a queimará sobre o altar, em cima das ofertas queimadas do SENHOR; assim, o sacerdote, por essa pessoa, fará

[28]uma aziswa isono sakhe one ngaso, woletha umnikelo wakhe wembuzi, insikazi engenasici, ngesono sakhe one ngaso.

[29]Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wesono, awuhlabe umnikelo wesono endaweni yomnikelo wokushiswa.

[30]Umpristi wothabatha igazi lawo ngomunwe wakhe, alibhece ezimpondweni ze-altare lomnikelo wokushiswa, lonke elinye igazi lawo alithulule ngasesinqeni se-altare.

[31]Onke amanoni awo uyakuwasusa, njengalokhu amanoni esuswa emhlatshelweni weminikelo yokuthula, umpristi awashise e-altare abe yiphunga elimnandi kuJehova, umpristi amenzele ukubuyisana, aze athethelelwe.

[32] Uma eletha iwundlu libe ngumnikelo wakhe wesono, woletha insikazi engenasici.

[33]Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wesono, awuhlabe, ube ngumnikelo wesono endaweni lapho behlabela khona umnikelo wokushiswa.

[34]Umpristi wothabatha igazi lomnikelo wesono ngomunwe wakhe, alibhece ezimpondweni ze-altare lomnikelo wokushiswa, lonke elinye igazi lawo alithulule ngasesinqeni se-altare.

[35]Onke amanoni awo uyakuwasusa, njengalokhu amanoni emvu esuswa emhlatshelweni weminikelo yokuthula, umpristi awashise e-altare phezu kweminikelo yomlilo kaJehova, umpristi

expiação do seu pecado que cometeu, e lhe será perdoado.

Levítico 5

O sacrifício pelos pecados ocultos

[1] Quando alguém pecar nisto: tendo ouvido a voz da imprecação, sendo testemunha de um fato, por ter visto ou sabido e, contudo, não o revelar, levará a sua iniqüidade;

[2] ou quando alguém tocar em alguma coisa imunda, seja corpo morto de besta-fera imunda, seja corpo morto de animal imundo, seja corpo morto de réptil imundo, ainda que lhe fosse oculto, e tornar-se imundo, então, será culpado;

[3] ou quando tocar a imundícia de um homem, seja qual for a imundícia com que se faça imundo, e lhe for oculto, e o souber depois, será culpado;

[4] ou quando alguém jurar temerariamente com seus lábios fazer mal ou fazer bem, seja o que for que o homem pronuncie temerariamente com juramento, e lhe for oculto, e o souber depois, culpado será numa destas coisas.

[5] Será, pois, que, sendo culpado numa destas coisas, confessará aquilo em que pecou.

[6] Como sua oferta pela culpa, pelo pecado que cometeu, trará ele ao SENHOR, do gado miúdo, uma cordeira ou uma cabrita como oferta pelo pecado; assim, o sacerdote, por ele, fará expiação do seu pecado.

amenzele ukubuyisana ngesono sakhe one ngaso, aze athethelelwe.

ULevitikusi 5

Umthetho weminikelo yesono

[1] Uma umuntu ona lapho ezwa izwi lesifungo, engufakazi wokuthile, noma ekubonile noma ekwazi, engakusho nokho, khona wothwala ububi bakhe;

[2] noma umuntu ethinta into engcolileyo, noma isidumbu sesilo esingcolileyo, noma isidumbu senkomo engcolileyo, noma isidumbu sesilwanyana esikhasayo esingcolileyo, kumsithele, engcolile nokho, woba necala.

[3] Noma ethinta ukungcola komuntu, nakuba yikuphi ukungcola kwakhe angcole ngakho, kumsithele, lapho esekwazi woba necala.

[4] Noma umuntu efunga ngamawala ngomlomo wakhe ukwenza okubi nokuba ukwenza okuhle, noma yikuphi umuntu angaphahluka ngakho ngesifungo, kumsithele, lapho esekwazi woba necala kokunye kwalokho.

[5] Kuyakuthi lapho enecala kokunye kwalokho, avume lokho one ngakho,

[6]uyakuletha umnikelo wecala lakhe kuJehova ngesono sakhe one ngaso, insikazi yasezimvini, imvu noma imbuzi, kube ngumnikelo wesono, umpristi amenzele ukubuyisana ngesono sakhe.

[7] Se as suas posses não lhe permitirem trazer uma cordeira, trará ao SENHOR, como oferta pela culpa, pelo pecado que cometeu, duas rolas ou dois pombinhos: um como oferta pelo pecado, e o outro como holocausto.

[8] Entregá-los-á ao sacerdote, o qual primeiro oferecerá aquele que é como oferta pelo pecado e lhe destroncará, com a unha, a cabeça, sem a separar do pescoço.

[9] Do sangue da oferta pelo pecado aspergirá sobre a parede do altar e o restante do sangue, fá-lo-á correr à base do altar; é oferta pelo pecado.

[10] E do outro fará holocausto, conforme o estabelecido; assim, o sacerdote, por ele, fará oferta pelo pecado que cometeu, e lhe será perdoado.

[11] Porém, se as suas posses não lhe permitirem trazer duas rolas ou dois pombinhos, então, aquele que pecou trará, por sua oferta, a décima parte de um efa de flor de farinha como oferta pelo pecado; não lhe deitará azeite, nem lhe porá em cima incenso, pois é oferta pelo pecado.

[12] Entregá-la-á ao sacerdote, e o sacerdote dela tomará um punhado como porção memorial e a queimará sobre o altar, em cima das ofertas queimadas ao SENHOR; é oferta pelo pecado.

[13] Assim, o sacerdote, por ele, fará oferta pelo pecado que cometeu em alguma destas coisas, e lhe será perdoado; o

[7] Uma amandla akhe enganeli imvu, makalethe kuJehova ngesono one ngaso amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, elinye libe ngumnikelo wesono, elinye libe ngumnikelo wokushiswa,

[8] awalethe kumpristi oyakunikela ngelomnikelo wesono kuqala, alishumpule inhloko entanyeni, angalidabuli kodwa,

[9]afafaze uhlangothi lwe-altare ngegazi lomnikelo wesono, igazi eliseleyo likhanyelwe ngasesinqeni se-altare; kungumnikelo wesono.

[10]Uyakulungisa elesibili libe ngumnikelo wokushiswa njengokwesimiso, umpristi amenzele ukubuyisana ngesono sakhe one ngaso, aze athethelelwe.

[11] Kepha uma amandla akhe enganeli amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, makalethe umnikelo wakhe ngalokho one ngakho, okweshumi kwe-efa lempuphu ecolekileyo, ube ngumnikelo wesono, angatheli mafutha phezu kwawo, angabeki nhlaka phezu kwawo, ngokuba kungumnikelo wesono,

[12]awulethe kumpristi, umpristi acaphune kuwo ngokhweshe, kube yisikhumbuzo sawo, akushise e-altare phezu kweminikelo yomlilo kaJehova; kungumnikelo wesono.

[13]Umpristi uyakumenzela ukubuyisana ngesono sakhe one ngaso, nakuyiphi yalezi zinto, aze athethelelwe; okuseleyo

restante será do sacerdote, como a oferta de manjares.

O sacrifício pelo sacrilégio

14 Disse mais o SENHOR a Moisés:

15 Quando alguém cometer ofensa e pecar por ignorância nas coisas sagradas do SENHOR, então, trará ao SENHOR, por oferta, do rebanho, um carneiro sem defeito, conforme a tua avaliação em siclos de prata, segundo o siclo do santuário, como oferta pela culpa.

16 Assim, restituirá o que ele tirou das coisas sagradas, e ainda acrescentará o seu quinto, e o dará ao sacerdote; assim, o sacerdote, com o carneiro da oferta pela culpa, fará expiação por ele, e lhe será perdoado.

O sacrifício pelos pecados de ignorância

17 E, se alguma pessoa pecar e fizer contra algum de todos os mandamentos do SENHOR aquilo que se não deve fazer, ainda que o não soubesse, contudo, será culpada e levará a sua iniqüidade.

18 E do rebanho trará ao sacerdote um carneiro sem defeito, conforme a tua avaliação, para oferta pela culpa, e o sacerdote, por ela, fará expiação no tocante ao erro que, por ignorância, cometeu, e lhe será perdoado.

19 Oferta pela culpa é; certamente, se tornou culpada ao SENHOR.

Levítico 6

O sacrifício pelos pecados voluntários

1 Falou mais o SENHOR a Moisés, dizendo:

kube ngokompristi njengomnikelo wempuphu.

Umthetho weminikelo yecala

14UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

15 Uma umuntu esenza isiphambeko, one kungengamabomu ezintweni ezingcwele zikaJehova, woletha kuJehova umnikelo wakhe wecala, inqama yasemhlambini engenasici njengokulinganisa kwakho namashekeli esiliva ngokweshekeli lendlu engcwele, ibe ngumnikelo wecala,

16akhokhele lokho one ngakho entweni engcwele, athasisele kukho okwesihlanu, akunike umpristi, umpristi amenzele ukubuyisana ngenqama yomnikelo wecala, aze athethelelwe.

17 Uma umuntu ona, enza noma yikuphi kuyo imiyalo uJehova ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, noma ebengakwazi, unecala nokho, futhi wothwala ububi bakhe.

18Woletha kumpristi inqama engenasici yasemhlambini njengokulinganisa kwakho, ibe ngumnikelo wecala, umpristi amenzele ukubuyisana ngesiphosiso aphosise ngaso engazi, aze athethelelwe.

19Kungumnikelo wecala; nempela unecala phambi kukaJehova.

ULevitikusi 6

Izithasiselo zemithetho yeminikelo yokushiswa, neyeminikelo yempuphu, neyeminikelo yesono

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Quando alguma pessoa pecar, e cometer ofensa contra o SENHOR, e negar ao seu próximo o que este lhe deu em depósito, ou penhor, ou roubar, ou tiver usado de extorsão para com o seu próximo;
[3] ou que, tendo achado o perdido, o negar com falso juramento, ou fizer alguma outra coisa de todas em que o homem costuma pecar,

[4] será, pois, que, tendo pecado e ficado culpada, restituirá aquilo que roubou, ou que extorquiu, ou o depósito que lhe foi dado, ou o perdido que achou,

[5] ou tudo aquilo sobre que jurou falsamente; e o restituirá por inteiro e ainda a isso acrescentará a quinta parte; àquele a quem pertence, lho dará no dia da sua oferta pela culpa.
[6] E, por sua oferta pela culpa, trará, do rebanho, ao SENHOR um carneiro sem defeito, conforme a tua avaliação, para a oferta pela culpa; trá-lo-á ao sacerdote.
[7] E o sacerdote fará expiação por ela diante do SENHOR, e será perdoada de qualquer de todas as coisas que fez, tornando-se, por isso, culpada.

A lei do holocausto

[8] Disse mais o SENHOR a Moisés:
[9] Dá ordem a Arão e a seus filhos, dizendo: Esta é a lei do holocausto: o holocausto ficará na lareira do altar toda a noite até pela manhã, e nela se manterá aceso o fogo do altar.
[10] O sacerdote vestirá a sua túnica de linho e os calções de linho sobre a pele nua, e

[2] Uma umuntu ona, enze isiphambeko kuJehova, akhohlise umakhelwane wakhe ngento ebekiweyo, noma isibambiso noma into ephangiweyo, noma ecindezela umakhelwane wakhe,
[3]noma, lapho ethola into elahlekileyo, eyiphika, afunge amanga, noma yikuphi kukho konke lokhu umuntu akwenzayo one ngakho,
[4]khona kuyakuthi, uma onile aze abe necala, uyakukubuyisa lokho okuphangiweyo, noma lokho akudlileyo, noma lokho okwakubekwe kuye, noma lokho okwakulahlekile akutholayo,

[5] noma yikuphi afungile amanga ngakho; makakubuyise, athasisele okwesihlanu kukho, amnike lowo okungokwakhe ngosuku lomnikelo wakhe wecala.

[6]Woletha umnikelo wakhe wecala kuJehova, inqama engenasici yasemhlambini ngokulinganisa kwakho, ibe ngumnikelo wecala, iyiswe kumpristi,

[7]umpristi amenzele ukubuyisana phambi kukaJehova, aze athethelelwe konke angahle abe ekwenzile anecala ngakho.

[8]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:
[9] Yala u-Aroni namadodana akhe, uthi: Nanku umthetho weminikelo yokushiswa: umnikelo wokushiswa uyakuhlala eziko le-altare ubusuku bonke kuze kuse, umlilo we-altare uhlale kulo uvutha njalo.
[10]Umpristi uyakwembatha isambatho selineni, afake nebhulukwe lakhe lelineni

levantará a cinza, quando o fogo houver consumido o holocausto sobre o altar, e a porá junto a este.

[11] Depois, despirá as suas vestes e porá outras; e levará a cinza para fora do arraial a um lugar limpo.

[12] O fogo, pois, sempre arderá sobre o altar; não se apagará; mas o sacerdote acenderá lenha nele cada manhã, e sobre ele porá em ordem o holocausto, e sobre ele queimará a gordura das ofertas pacíficas.

[13] O fogo arderá continuamente sobre o altar; não se apagará.

A lei da oferta de manjares

[14] Esta é a lei da oferta de manjares: os filhos de Arão a oferecerão perante o SENHOR, diante do altar.

[15] Um deles tomará dela um punhado de flor de farinha da oferta de manjares com seu azeite e todo o incenso que está sobre a oferta de manjares; então, o queimará sobre o altar, como porção memorial de aroma agradável ao SENHOR.

[16] O restante dela comerão Arão e seus filhos; asmo se comerá no lugar santo; no pátio da tenda da congregação, o comerão.

[17] Levedado não se cozerá; sua porção dei-lhes das minhas ofertas queimadas; coisa santíssima é, como a oferta pelo pecado e a oferta pela culpa.

emzimbeni wakhe, asuse umlotha womlilo oshise umnikelo wokushiswa e-altare, awuthele ngaseceleni kwe-altare.

[11]Abesekhumula izambatho zakhe, embathe ezinye izambatho, akhiphele umlotha ngaphandle kwekamu endaweni ehlambulukileyo.

[12]Umlilo ophezu kwe-altare uyakuhlala kulo uvutha njalo, ungacimi; umpristi uyakubasa izinkuni kulo ekuseni njalo, ahlele kulo umnikelo wokushiswa, ashise kulo amanoni eminikelo yokuthula.

[13]Umlilo wohlala e-altare uvutha njalo, ungacimi.

[14] Nanku umthetho weminikelo yempuphu: amadodana ka-Aroni ayakunikela ngawo phambi kukaJehova ngaphambi kwe-altare.

[15]Makucashunwe kuwo ngokhweshe impuphu ecolekileyo yomnikelo wempuphu namafutha awo, nayo yonke inhlaka ephezu komnikelo wempuphu, akushise e-altare kube yisikhumbuzo sawo, kube yiphunga elimnandi kuJehova.

[16]Okuseleyo kuwo kuyakudliwa ngu-Aroni namadodana akhe, kudliwe ngaphandle kwemvubelo endaweni engcwele, bakudlele egcekeni letende lokuhlangana.

[17]Akuyikuphekwa ngemvubelo. Ngikunike kube yisabelo sabo seminikelo yami yomlilo; kungcwelengcwele

njengomnikelo wesono nanjengomnikelo wecala.

[18] Todo varão entre os filhos de Arão comerá da oferta de manjares; estatuto perpétuo será para as vossas gerações dentre as ofertas queimadas do SENHOR; tudo o que tocar nelas será santo.

[18] Bonke abesilisa phakathi kwabantwana baka-Aroni bayakukudla kube yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu seminikelo yomlilo kaJehova; konke okukuthintayo kuyakuba ngcwele.

A oferta na consagração dos sacerdotes

[19] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[19]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[20] Esta é a oferta de Arão e de seus filhos, que oferecerão ao SENHOR no dia em que aquele for ungido: a décima parte de um efa de flor de farinha pela oferta de manjares contínua; metade dela será oferecida pela manhã, e a outra metade, à tarde.

[20] Nanku umnikelo ka-Aroni nowamadodana akhe abayakunikela ngawo kuJehova mhla begcotshwa: okweshumi kwe-efa lempuphu ecolekileyo kube ngumnikelo wempuphu njalonjalo, inxenye yakho ekuseni nenxenye yakho kusihlwa.

[21] Numa assadeira, se fará com azeite; bem amassada a trarás; em pedaços cozidos trarás a oferta de manjares de aroma agradável ao SENHOR.

[21]Uyakwenziwa emqengeleni ngamafutha; usuxutshanisiwe wowungenisa, unikele ngomnikelo wempuphu, ube yizingcezu ezihleshuliweyo, zibe yiphunga elimnandi kuJehova.

[22] Também o sacerdote, que dentre os filhos de Arão for ungido em seu lugar, fará o mesmo; por estatuto perpétuo será de todo queimada ao SENHOR.

[22]Umpristi ogcotshiweyo esikhundleni sakhe phakathi kwamadodana akhe wonikela ngawo, kube yisimiso esiphakade; woshiswa wonke.

[23] Assim, toda a oferta de manjares do sacerdote será totalmente queimada; não se comerá.

[23]Yonke iminikelo yempuphu yompristi yoshiswa yonke, ingadliwa.

A lei da oferta pelo pecado

[24] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[24]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[25] Fala a Arão e a seus filhos, dizendo: Esta é a lei da oferta pelo pecado: no lugar onde se imola o holocausto, se imolará a oferta pelo pecado, perante o SENHOR; coisa santíssima é.

[25] Yisho ku-Aroni nakumadodana akhe, uthi: Nanku umthetho weminikelo yesono; endaweni ohlatshelwe kuyo umnikelo wokushiswa, mawuhlatshelwe khona umnikelo wesono phambi kukaJehova; ungcwelengcwele.

[26] O sacerdote que a oferecer pelo pecado a comerá; no lugar santo, se comerá, no pátio da tenda da congregação.
[27] Tudo o que tocar a carne da oferta será santo; se aspergir alguém do seu sangue sobre a sua veste, lavarás aquilo sobre que caiu, no lugar santo.
[28] E o vaso de barro em que for cozida será quebrado; porém, se for cozida num vaso de bronze, esfregar-se-á e lavar-se-á na água.
[29] Todo varão entre os sacerdotes a comerá; coisa santíssima é.

[30] Porém não se comerá nenhuma oferta pelo pecado, cujo sangue se traz à tenda da congregação, para fazer expiação no santuário; no fogo será queimada.

[26]Umpristi onikela ngawo ngesono wowudla, udliwe endaweni engcwele egcekeni letende lokuhlangana.
[27]Konke okuyakuthinta inyama yawo kuyakuba ngcwele; nxa ingubo ifafazwa ngegazi lawo, lapho kufafazwe khona uyakukugeza endaweni engcwele.
[28]Kepha isitsha sebumba okuphekelwe kuso masaphulwe, kodwa uma kuphekelwa esitsheni sethusi, siyakuphucuzwa, sihashazwe ngamanzi.
[29]Bonke abesilisa phakathi kwabapristi bayakuwudla; ungcwelengcwele.
[30] Kepha makungadliwa mnikelo wesono okwangeniswa igazi lawo etendeni lokuhlangana ukuba kwenziwe ukubuyisana endaweni engcwele; woshiswa ngomlilo.

Levítico 7

A lei da oferta pela culpa

[1] Esta é a lei da oferta pela culpa; coisa santíssima é.
[2] No lugar onde imolam o holocausto, imolarão a oferta pela culpa, e o seu sangue se aspergirá sobre o altar, em redor.

[3] Dela se oferecerá toda a gordura, a cauda e a gordura que cobre as entranhas;

[4] também ambos os rins e a gordura que neles há, junto aos lombos; e o redenho sobre o fígado com os rins se tirará.

ULevitikusi 7

Izithasiselo zemithetho yeminikelo yecala neyeminikelo yokuthula

[1] Nanku umthetho weminikelo yecala; ingcwelengcwele.
[2]Endaweni abahlabela kuyo umnikelo wokushiswa, bayakuwuhlabela khona umnikelo wecala, kufafazwe i-altare nxazonke ngegazi lawo.
[3]Uyakunikela ngawo onke amanoni awo, umsila ononileyo namanoni asibekela izibilini,
[4]nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni,

[5] O sacerdote o queimará sobre o altar em oferta queimada ao SENHOR; é oferta pela culpa.

[6] Todo varão entre os sacerdotes a comerá; no lugar santo, se comerá; coisa santíssima é.

[7] Como a oferta pelo pecado, assim será a oferta pela culpa; uma única lei haverá para elas: será do sacerdote que, com ela, fizer expiação.

[8] O sacerdote que oferecer o holocausto de alguém terá o couro do holocausto que oferece,

[9] como também toda oferta de manjares que se cozer no forno, com tudo que se preparar na frigideira e na assadeira, será do sacerdote que a oferece.

[10] Toda oferta de manjares amassada com azeite ou seca será de todos os filhos de Arão, tanto de um como do outro.

A lei das ofertas pacíficas

[11] Esta é a lei das ofertas pacíficas que alguém pode oferecer ao SENHOR.

[12] Se fizer por ação de graças, com a oferta de ação de graças trará bolos asmos amassados com azeite, obreias asmas untadas com azeite e bolos de flor de farinha bem amassados com azeite.

[5]umprisiti akushise e-altare kube ngumnikelo womlilo kuJehova; kungumnikelo wecala.

[6]Bonke abesilisa phakathi kwabapristi bayakuwudla, udliwe endaweni engcwele; ungcwelengcwele.

[7] Umnikelo wecala unjengomnikelo wesono; umthetho wawo munye; umpristi owenza ukubuyisana ngawo woba ngowakhe.

[8]Umpristi onikela ngomnikelo wokushiswa womuntu, isikhumba somnikelo wokushiswa anikele ngawo siyakuba ngesompristi.

[9]Yonke iminikelo yempuphu ephekwe eziko, nayo yonke elungiselwa okhambeni nasemqengeleni, iyakuba ngeyalo mpristi anikele ngayo.

[10]Yonke iminikelo yempuphu exovwe namafutha neyomileyo iyakuba ngeyamadodana onke ka-Aroni, enye ithole njengenye.

[11] Nanku umthetho womhlatshelo weminikelo yokuthula okuyakunikelwa ngayo kuJehova.

[12] Uma enikela ngawo ube ngumnikelo wokubonga, uyakunikela kanye nomhlatshelo wokubonga ngamaqebelengwane angenamvubelo exovwe namafutha, nemiqathane engenamvubelo, egcotshwe ngamafutha, namaqebelengwane empuphu ecolekileyo axovwe namafutha.

[13] Com os bolos trará, por sua oferta, pão levedado, com o sacrifício de sua oferta pacífica por ação de graças.

[14] E, de toda oferta, trará um bolo por oferta ao SENHOR, que será do sacerdote que aspergir o sangue da oferta pacífica.

[15] Mas a carne do sacrifício de ação de graças da sua oferta pacífica se comerá no dia do seu oferecimento; nada se deixará dela até à manhã.

[16] E, se o sacrifício da sua oferta for voto ou oferta voluntária, no dia em que oferecer o seu sacrifício, se comerá; e o que dele ficar também se comerá no dia seguinte.

[17] Porém o que ainda restar da carne do sacrifício, ao terceiro dia, será queimado.

[18] Se da carne do seu sacrifício pacífico se comer ao terceiro dia, aquele que a ofereceu não será aceito, nem lhe será atribuído o sacrifício; coisa abominável será, e a pessoa que dela comer levará a sua iniqüidade.

[19] A carne que tocar alguma coisa imunda não se comerá; será queimada. Qualquer que estiver limpo comerá a carne do sacrifício.

[20] Porém, se alguma pessoa, tendo sobre si imundícia, comer a carne do sacrifício

[13]Kanye namaqebelengwane esinkwa esivutshelweyo uyakunikela ngalo mnikelo kanye nomhlatshelo weminikelo yakhe yokuthula, ube ngowokubonga.

[14]Athabathe kuwo libe linye njalo eminikelweni yakhe, libe ngumnikelo ophakanyiswayo kuJehova, libe ngelompristi ofafaza ngegazi leminikelo yokuthula.

[15]Inyama yomhlatshelo weminikelo yakhe yokuthula ongowokubonga iyakudliwa ngosuku lokunikela kwakhe, angashiyi lutho lwayo kuze kuse.

[16] Kepha uma umhlatshelo womnikelo wakhe ungowesithembiso noma ungowesihle, uyakudliwa ngalolo suku anikela ngalo ngomhlatshelo wakhe; nangakusasa okuseleyo kuwo kuyakudliwa;

[17]kepha okusele enyameni yomhlatshelo ngosuku lwesithathu kuyakushiswa ngomlilo.

[18]Uma inyama yomhlatshelo weminikelo yakhe yokuthula idliwa ngosuku lwesithathu, ayiyikwamukeleka, ingabalelwa kuye owanikela ngayo; iyakunengeka, nomuntu oyidlayo uyakuthwala ububi bakhe.

[19] Inyama ethinta into engcolileyo ayinakudliwa, kepha iyakushiswa ngomlilo; nokho le nyama-ke bonke abahlambulukileyo bangayidla.

[20]Kodwa umuntu oyidla inyama yomhlatshelo weminikelo yokuthula engekaJehova esenakho ukungcola

pacífico, que é do SENHOR, será eliminada do seu povo.

21 Se uma pessoa tocar alguma coisa imunda, como imundícia de homem, ou de gado imundo, ou de qualquer réptil imundo e da carne do sacrifício pacífico, que é do SENHOR, ela comer, será eliminada do seu povo.

Deus proíbe comer gordura e sangue

22 Disse mais o SENHOR a Moisés:

23 Fala aos filhos de Israel, dizendo: Não comereis gordura de boi, nem de carneiro, nem de cabra.

24 A gordura do animal que morre por si mesmo e a do dilacerado por feras podem servir para qualquer outro uso, mas de maneira nenhuma as comereis;

25 porque qualquer que comer a gordura do animal, do qual se trouxer ao SENHOR oferta queimada, será eliminado do seu povo.

26 Não comereis sangue em qualquer das vossas habitações, quer de aves, quer de gado.

27 Toda pessoa que comer algum sangue será eliminada do seu povo.

A porção dos sacerdotes

28 Disse mais o SENHOR a Moisés:

29 Fala aos filhos de Israel, dizendo: Quem oferecer ao SENHOR o seu sacrifício pacífico trará a sua oferta ao SENHOR; do seu sacrifício pacífico

kwakhe, lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

21 Nanxa umuntu ethinta into engcolileyo, ukungcola komuntu noma isilwane esingcolileyo noma into engcolileyo enengekayo, adle inyama yomhlatshelo weminikelo yokuthula engekaJehova, lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

22Jehova wakhuluma kuMose, wathi:

23 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Aniyikudla manoni enkomo, nawemvu, nawembuzi.

24Amanoni engcuba namanoni okudweshuliweyo angasebenza yonke eminye imisebenzi; kepha ningawadli nempela.

25Ngokuba yilowo nalowo odla amanoni enkomo okunikelwa ngayo ibe ngumnikelo womlilo kuJehova, lowo muntu owadlayo uyakunqunywa kubantu bakubo.

26 Ningadli naliphi igazi, noma ngelenyoni noma ngelenkomo, nakuyiphi yezindlu zenu.

27Yilowo nalowo odla igazi lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

28UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

29 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Onikela ngomhlatshelo weminikelo yakhe yokuthula kuJehova uyakuletha umnikelo wakhe kuJehova emhlatshelweni weminikelo yakhe yokuthula;

[30] trará com suas próprias mãos as ofertas queimadas do SENHOR; a gordura do peito com o peito trará para movê-lo por oferta movida perante o SENHOR.

[31] O sacerdote queimará a gordura sobre o altar, porém o peito será de Arão e de seus filhos.

[32] Também a coxa direita dareis ao sacerdote por oferta dos vossos sacrifícios pacíficos.

[33] Aquele dos filhos de Arão que oferecer o sangue do sacrifício pacífico e a gordura, esse terá a coxa direita por sua porção;

[34] porque o peito movido e a coxa da oferta tomei dos filhos de Israel, dos seus sacrifícios pacíficos, e os dei a Arão, o sacerdote, e a seus filhos, por direito perpétuo dos filhos de Israel.

[35] Esta é a porção de Arão e a porção de seus filhos, das ofertas queimadas do SENHOR, no dia em que os apresentou para oficiarem como sacerdotes ao SENHOR;

[36] a qual o SENHOR ordenou que se lhes desse dentre os filhos de Israel no dia em que os ungiu; estatuto perpétuo é pelas suas gerações.

[37] Esta é a lei do holocausto, da oferta de manjares, da oferta pelo pecado, da oferta pela culpa, da consagração e do sacrifício pacífico,

[30]izandla zakhe uqobo zilethe iminikelo yomlilo kaJehova, alethe amanoni kanye nesifuba ukuba isifuba sizuliswe, sibe ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova.

[31]Umpristi makashise amanoni e-altare, kepha isifuba sibe ngesika-Aroni nesamadodana akhe.

[32]Anonika umpristi umlenze wokunene, ube ngumnikelo wokuphakanyiswa emihlatshelweni yeminikelo yenu yokuthula.

[33]Lowo phakathi kwamadodana ka-Aroni onikela ngegazi leminikelo yokuthula nangamanoni koba ngowakhe umlenze wokunene, ube yisabelo sakhe.

[34]Ngokuba isifuba sokuzuliswa nomlenze wokuphakanyiswa ngikuthabathe kwabakwa-Israyeli emihlatshelweni yeminikelo yabo yokuthula, ngakunika u-Aroni umpristi namadodana akhe, kube yisimiso esiphakade kwabakwa-Israyeli.

[35]Leso siyisabelo sika-Aroni nesabelo samadodana akhe seminikelo yomlilo kaJehova mhla ebaletha ukuba bamkhonze uJehova esikhundleni sobupristi,

[36]ayala ngakho uJehova ukuba bakuphiwe ngabantwana bakwa-Israyeli mhla ebagcoba, kube yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zabo.

[37]Lowo ungumthetho weminikelo yokushiswa, noweminikelo yempuphu, noweminikelo yesono, noweminikelo

yecala, nowokwahlukaniselwa, nowomhlatshelo weminikelo yokuthula,

[38] que o SENHOR ordenou a Moisés no monte Sinai, no dia em que ordenou aos filhos de Israel que oferecessem as suas ofertas ao SENHOR, no deserto do Sinai.

[38]uJehova amyala ngawo uMose entabeni yaseSinayi mhla eyala abakwa-Israyeli ukuba banikele ngeminikelo yabo kuJehova ehlane laseSinayi.

Levítico 8

A consagração de Arão e de seus filhos
Êxodo 29.1-37

[1] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[2] Toma Arão, e seus filhos, e as vestes, e o óleo da unção, como também o novilho da oferta pelo pecado, e os dois carneiros, e o cesto dos pães asmos

[3] e ajunta toda a congregação à porta da tenda da congregação.

[4] Fez, pois, Moisés como o SENHOR lhe ordenara, e a congregação se ajuntou à porta da tenda da congregação.

[5] Então, disse Moisés à congregação: Isto é o que o SENHOR ordenou que se fizesse.

[6] E fez chegar a Arão e a seus filhos e os lavou com água.

[7] Vestiu a Arão da túnica, cingiu-o com o cinto e pôs sobre ele a sobrepeliz; também pôs sobre ele a estola sacerdotal, e o cingiu com o cinto de obra esmerada da estola sacerdotal, e o ajustou com ele.

[8] Depois, lhe colocou o peitoral, pondo no peitoral o Urim e o Tumim;

[9] e lhe pôs a mitra na cabeça e na mitra, na sua parte dianteira, pôs a lâmina de

ULevitikusi 8

Ukugcotshwa kwabapristi

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Thabatha u-Aroni namadodana akhe kanye naye, nezambatho, namafutha okugcoba, nenkunzi yomnikelo wesono, nezinqama zombili, neqoma lezinkwa ezingenamvubelo,

[3]ubuthele inhlangano yonke ngasemnyango wetende lokuhlangana.

[4]UMose wenza njengalokho uJehova emyalile; inhlangano yabuthelwa ngasemnyango wetende lokuhlangana.

[5]UMose wayesethi kuyo inhlangano: Nansi into uJehova ayale ngayo ukuba yenziwe.

[6]UMose waletha u-Aroni namadodana akhe, wabageza ngamanzi.

[7] Wamfaka ibhantshi, wambhincisa ibhande, wamembathisa ijazi; wamfaka ingubo yamahlombe, wambhincisa ibhande elifekethisiweyo lengubo yamahlombe, wayibophela kuye ngalo.

[8]Wamfaka isihlangu sesifuba, nasesihlangwini sesifuba wabeka i-Urimi neThumimi.

[9]Wafaka isigqoko ekhanda lakhe, nasesigqokweni ngaphambili wafaka

ouro, a coroa sagrada, como o SENHOR ordenara a Moisés.

[10] Então, Moisés tomou o óleo da unção, e ungiu o tabernáculo e tudo o que havia nele, e o consagrou;

[11] e dele aspergiu sete vezes sobre o altar e ungiu o altar e todos os seus utensílios, como também a bacia e o seu suporte, para os consagrar.

[12] Depois, derramou do óleo da unção sobre a cabeça de Arão e ungiu-o, para consagrá-lo.

[13] Também Moisés fez chegar os filhos de Arão, e vestiu-lhes as túnicas, e cingiu-os com o cinto, e atou-lhes as tiaras, como o SENHOR lhe ordenara.

[14] Então, fez chegar o novilho da oferta pelo pecado; e Arão e seus filhos puseram as mãos sobre a cabeça do novilho da oferta pelo pecado;

[15] e Moisés o imolou, e tomou o sangue, e dele pôs, com o dedo, sobre os chifres do altar em redor, e purificou o altar; depois, derramou o resto do sangue à base do altar e o consagrou, para fazer expiação por ele.

[16] Depois, tomou toda a gordura que está sobre as entranhas, e o redenho do fígado, e os dois rins, e sua gordura; e Moisés os queimou sobre o altar.

[17] Mas o novilho com o seu couro, e a sua carne, e o seu excremento queimou fora do arraial, como o SENHOR ordenara a Moisés.

ungcwecwe wegolide, umqhele ongcwele, njengalokho uJehova emyalile uMose.

[10] UMose wathatha amafutha okugcoba, waligcoba itabernakele nakho konke okuphakathi kwalo, wakungcwelisa.

[11]Wafafaza ngawo i-altare kasikhombisa, waligcoba i-altare kanye nezitsha zonke zalo, nomcengezi nesinqe sawo, ukuba kungcweliswe.

[12]Wathela amafutha okugcoba ekhanda lika-Aroni, wamgcoba ukuba angcweliswe.

[13]UMose wayeseletha amadodana ka-Aroni, wawembathisa amabhantshi, wawabhincisa amabhande, wawafaka izigqoko, njengalokho uJehova emyalile uMose.

[14] Waletha nenkunzi yomnikelo wesono; u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenkunzi yomnikelo wesono.

[15]Wayeseyihlaba; uMose wathatha igazi, walibheca ezimpondweni ze-altare nxazonke ngomunwe wakhe, waliphothula i-altare, walithulula igazi ngasesinqeni se-altare, walingcwelisa ukuba alenzele ukubuyisana.

[16]Wathatha onke amanoni aphezu kwezibilini, namanoni aphezu kwesibindi, nezinso zombili namanoni azo, uMose wakushisa e-altare.

[17]Kepha inkunzi nesikhumba sayo, nenyama yayo, nomswani wayo, wakushisa ngomlilo ngaphandle

kwekamu, njengalokho uJehova emyalile uMose.

[18] Depois, fez chegar o carneiro do holocausto; e Arão e seus filhos puseram as mãos sobre a cabeça do carneiro.

[18] Wayeseletha inqama yomnikelo wokushiswa; u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenqama.

[19] E Moisés o imolou e aspergiu o sangue sobre o altar, em redor.

[19]Wayihlaba, uMose wafafaza i-altare ngegazi nxazonke.

[20] Partiu também o carneiro nos seus pedaços; Moisés queimou a cabeça, os pedaços e a gordura.

[20]Wayeseyihlahlela inyama izitho; uMose washisa inhloko nezitho namanoni.

[21] Porém as entranhas e as pernas lavou com água; e Moisés queimou todo o carneiro sobre o altar; holocausto de aroma agradável, oferta queimada era ao SENHOR, como o SENHOR ordenara a Moisés.

[21]Wahlanza izibilini namanqina ngamanzi; uMose washisa yonke inqama e-altare; yayingumnikelo wokushiswa, waba yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

[22] Então, fez chegar o outro carneiro, o carneiro da consagração; e Arão e seus filhos puseram as mãos sobre a cabeça do carneiro.

[22] Waletha nenye inqama, inqama yokwahlukaniselwa; u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenqama.

[23] E Moisés o imolou, e tomou do seu sangue, e o pôs sobre a ponta da orelha direita de Arão, e sobre o polegar da sua mão direita, e sobre o polegar do seu pé direito.

[23]Wayihlaba; uMose wathatha igazi layo, walibheca esicutshini sendlebe yokunene ka-Aroni, nasesithupheni sesandla sakhe sokunene, nakuqukula wonyawo lwakhe lokunene.

[24] Também fez chegar os filhos de Arão; pôs daquele sangue sobre a ponta da orelha direita deles, e sobre o polegar da mão direita, e sobre o polegar do pé direito; e aspergiu Moisés o resto do sangue sobre o altar, em redor.

[24]Wayeseletha amadodana ka-Aroni, uMose walibheca igazi esicutshini sendlebe yabo yokunene, nasesithupheni sesandla sabo sokunene, nakuqukula wonyawo lwabo lokunene; uMose wafafaza i-altare ngegazi nxazonke.

[25] Tomou a gordura, e a cauda, e toda a gordura que está nas entranhas, e o redenho do fígado, e ambos os rins, e a sua gordura, e a coxa direita.

[25]Wawathatha amanoni, nomsila ononileyo, nawo onke amanoni aphezu kwezibilini, namanoni aphezu kwesibindi,

[26] Também do cesto dos pães asmos, que estava diante do SENHOR, tomou um bolo asmo, um bolo de pão azeitado e uma obreia e os pôs sobre a gordura e sobre a coxa direita.

[27] E tudo isso pôs nas mãos de Arão e de seus filhos e o moveu por oferta movida perante o SENHOR.

[28] Depois, Moisés o tomou das suas mãos e o queimou no altar sobre o holocausto; era uma oferta da consagração, por aroma agradável, oferta queimada ao SENHOR.

[29] Tomou Moisés o peito e moveu-o por oferta movida perante o SENHOR; era a porção que tocava a Moisés, do carneiro da consagração, como o SENHOR lhe ordenara.

[30] Tomou Moisés também do óleo da unção e do sangue que estava sobre o altar e o aspergiu sobre Arão e as suas vestes, bem como sobre os filhos de Arão e as suas vestes; e consagrou a Arão, e as suas vestes, e a seus filhos, e as vestes de seus filhos.

[31] Disse Moisés a Arão e a seus filhos: Cozei a carne diante da porta da tenda da congregação e ali a comereis com o pão

nezinso zombili namanoni azo, nomlenze wokunene,

[26]naseqomeni lezinkwa ezingenamvubelo elalisebusweni bukaJehova wathatha iqebelengwane laba linye elingenamvubelo, neqebelengwane laba linye lesinkwa samafutha, nomqathane munye, wakubeka phezu kwamanoni naphezu komlenze wokunene,

[27]wakubeka konke ezandleni zika-Aroni, nasezandleni zamadodana akhe, wakuzulisa kwaba ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova.

[28]UMose wayesekuthatha ezandleni zabo, wakushisa e-altare emnikelweni wokushiswa; kwakungokokwahlukaniselwa, kwaba yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

[29]UMose wathatha isifuba, wasizulisa saba ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova; sasiyisabelo sikaMose sasenqameni yokwahlukaniselwa, njengalokho uJehova emyalile uMose.

[30] UMose wayesethatha amafutha okugcoba, negazi elalise-altare, wafafaza ngalo u-Aroni nezambatho zakhe, namadodana akhe kanye naye, nezambatho zamadodana akhe, wangcwelisa u-Aroni nezambatho zakhe, namadodana akhe kanye naye, nezambatho zamadodana akhe.

[31]Wathi uMose ku-Aroni nakumadodana akhe: Phekani inyama ngasemnyango wetende lokuhlangana, niyidle kanye

que está no cesto da consagração, como tenho ordenado, dizendo: Arão e seus filhos a comerão.

nesinkwa esiseqomeni lokwahlukaniselwa, njengalokho ngayala ngathi: U-Aroni namadodana akhe bayakukudla.

[32] Mas o que restar da carne e do pão queimareis.

[32]Okuseleyo kwenyama nokwesinkwa anokushisa ngomlilo.

[33] Também da porta da tenda da congregação não saireis por sete dias, até ao dia em que se cumprirem os dias da vossa consagração; porquanto por sete dias o SENHOR vos consagrará.

[33]Ningaphumi emnyango wetende lokuhlangana izinsuku eziyisikhombisa, kungakapheli izinsuku zokwahlukaniselwa kwenu, ngokuba uyakunahlukanisela izinsuku eziyisikhombisa.

[34] Como se fez neste dia, assim o SENHOR ordenou se fizesse, em expiação por vós.

[34]UJehova uyalile ukuba kwenziwe njengalokho kwenziwe namuhla, ukuze nenzelwe ukubuyisana.

[35] Ficareis, pois, à porta da tenda da congregação dia e noite, por sete dias, e observareis as prescrições do SENHOR, para que não morrais; porque assim me foi ordenado.

[35]Ngasemnyango wetende lokuhlangana niyakuhlala imini nobusuku izinsuku eziyisikhombisa, nisigcine isiyalezo sikaJehova, ukuze ningafi, ngokuba ngiyaliwe kanjalo.

[36] E Arão e seus filhos fizeram todas as coisas que o SENHOR ordenara por intermédio de Moisés.

[36]U-Aroni namadodana akhe benza konke uJehova ayale ngakho ngesandla sikaMose.

Levítico 9

Arão oferece sacrifícios por si e pelo povo

ULevitikusi 9

Umnikelo wokuqala ka-Aroni

[1] Ao oitavo dia, chamou Moisés a Arão, e a seus filhos, e aos anciãos de Israel

[1]Kwathi ngosuku lwesishiyagalombili uMose wabiza u-Aroni namadodana akhe namalunga akwa-Israyeli,

[2] e disse a Arão: Toma um bezerro, para oferta pelo pecado, e um carneiro, para holocausto, ambos sem defeito, e traze-os perante o SENHOR.

[2]wathi ku-Aroni: Mawuzithathele ithole lenkunzi, libe ngumnikelo wesono, nenqama ibe ngumnikelo wokushiswa, okungenasici, unikele ngakho phambi kukaJehova.

[3] Depois, dirás aos filhos de Israel: Tomai um bode, para oferta pelo pecado, um

[3]Khuluma kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Thathani impongo, ibe ngumnikelo

bezerro e um cordeiro, ambos de um ano e sem defeito, como holocausto;

[4] e um boi e um carneiro, por oferta pacífica, para sacrificar perante o SENHOR, e oferta de manjares amassada com azeite; porquanto, hoje, o SENHOR vos aparecerá.

[5] Então, trouxeram o que ordenara Moisés, diante da tenda da congregação, e chegou-se toda a congregação e se pôs perante o SENHOR.

[6] Disse Moisés: Esta coisa que o SENHOR ordenou fareis; e a glória do SENHOR vos aparecerá.

[7] Depois, disse Moisés a Arão: Chega-te ao altar, faze a tua oferta pelo pecado e o teu holocausto; e faze expiação por ti e pelo povo; depois, faze a oferta do povo e a expiação por ele, como ordenou o SENHOR.

[8] Chegou-se, pois, Arão ao altar e imolou o bezerro da oferta pelo pecado que era por si mesmo.

[9] Os filhos de Arão trouxeram-lhe o sangue; ele molhou o dedo no sangue e o pôs sobre os chifres do altar; e o resto do sangue derramou à base do altar.

[10] Mas a gordura, e os rins, e o redenho do fígado da oferta pelo pecado queimou sobre o altar, como o SENHOR ordenara a Moisés.

[11] Porém a carne e o couro queimou fora do arraial.

wesono, nethole newundlu, omabili abe nomnyaka munye, angenasici, abe ngumnikelo wokushiswa,

[4]nenkunzi nenqama zibe yiminikelo yokuthula, zihlatshwe phambi kukaJehova, nomnikelo wempuphu oxovwe namafutha, ngokuba namuhla uJehova uyabonakala kini.

[5]Baletha-ke lokho uMose akuyalayo phambi kwetende lokuhlangana, nenhlangano yonke yasondela, yema phambi kukaJehova.

[6]Wayesethi uMose: Nansi into uJehova ayala ngayo ukuba niyenze, kuze kubonakale kini inkazimulo kaJehova.

[7]UMose wathi ku-Aroni: Sondela e-altare, unikele ngomnikelo wakho wesono nangomnikelo wakho wokushiswa, uzenzele wena nabantu ukubuyisana, andukuba unikele ngomnikelo wabantu, ubenzele ukubuyisana, njengalokho uJehova eyalile.

[8]U-Aroni wayesesondela e-altare, walihlaba ithole lomnikelo wesono ongowakhe.

[9]Amadodana ka-Aroni aletha igazi kuye; wagcobhoza umunwe egazini, walibheca ezimpondweni ze-altare, wathulula elinye igazi ngasesinqeni se-altare;

[10]kepha amanoni nezinso namanoni aphezu kwesibindi emnikelweni wesono wakushisa e-altare, njengalokho uJehova emyalile uMose.

[11]Inyama nesikhumba wakushisa ngomlilo ngaphandle kwekamu.

[12] Depois, imolou o holocausto, e os filhos de Arão lhe entregaram o sangue, e ele o aspergiu sobre o altar, em redor.
[13] Também lhe entregaram o holocausto nos seus pedaços, com a cabeça; e queimou-o sobre o altar.

[14] E lavou as entranhas e as pernas e as queimou sobre o holocausto, no altar.

[15] Depois, fez chegar a oferta do povo, e, tomando o bode da oferta pelo pecado, que era pelo povo, o imolou, e o preparou por oferta pelo pecado, como fizera com o primeiro.
[16] Também fez chegar o holocausto e o ofereceu segundo o rito.

[17] Fez chegar a oferta de manjares, e dela tomou um punhado, e queimou sobre o altar, além do holocausto da manhã.

[18] Depois, imolou o boi e o carneiro em sacrifício pacífico, que era pelo povo; e os filhos de Arão entregaram-lhe o sangue, que aspergiu sobre o altar, em redor,

[19] como também a gordura do boi e do carneiro, e a cauda, e o que cobre as entranhas, e os rins, e o redenho do fígado.
[20] E puseram a gordura sobre o peito, e ele a queimou sobre o altar;
[21] mas o peito e a coxa direita Arão moveu por oferta movida perante o SENHOR, como Moisés tinha ordenado.
[22] Depois, Arão levantou as mãos para o povo e o abençoou; e desceu, havendo

[12]Wawuhlaba umnikelo wokushiswa; amadodana ka-Aroni aletha kuye igazi, wafafaza ngalo i-altare nxazonke.
[13]Anikeza kuye umnikelo wokushiswa izitho ngezitho kanye nenhloko, wakushisa e-altare.
[14]Wahlanza izibilini namanqina, wakushisa phezu komnikelo wokushiswa e-altare.

[15]Wayeseletha umnikelo wabantu, wathatha impongo yomnikelo wesono ongowabantu, wayihlaba, wanikela ngayo ngenxa yesono njengowokuqala.

[16]Waletha umnikelo wokushiswa, wanikela ngawo njengokwesimiso.
[17]Wayeseletha umnikelo wempuphu, wagcwalisa isandla sakhe ngawo, wawushisa e-altare ngaphandle komnikelo wokushiswa wasekuseni.
[18]Wahlaba inkunzi nenqama, zibe ngumhlatshelo weminikelo yokuthula ongowabantu; amadodana ka-Aroni aletha kuye igazi owafafaza ngalo i-altare nxazonke,
[19]namanoni enkunzi nawenqama, nomsila ononileyo, nalawo asibekela izibilini, nezinso, namanoni esibindi,
[20]abeka amanoni phezu kwezifuba; wawashisa amanoni e-altare;
[21]izifuba nomlenze wokunene wakuzulisa, kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova, njengalokho uMose eyalile.
[22] U-Aroni waphakamisela izandla zakhe kubantu, wababusisa; wayesehla

feito a oferta pelo pecado, e o holocausto, e a oferta pacífica.

ekunikeleni ngomnikelo wesono nangomnikelo wokushiswa nangeminikelo yokuthula.

[23] Então, entraram Moisés e Arão na tenda da congregação; e, saindo, abençoaram o povo; e a glória do SENHOR apareceu a todo o povo.

[23]OMose no-Aroni bangena etendeni lokuhlangana, babuye baphuma, bababusisa abantu; yayisibonakala inkazimulo kaJehova kubantu bonke.

[24] E eis que, saindo fogo de diante do SENHOR, consumiu o holocausto e a gordura sobre o altar; o que vendo o povo, jubilou e prostrou-se sobre o rosto.

[24] Kwaphuma umlilo ngaphambi kukaJehova, waqeda umnikelo wokushiswa namanoni e-altare; sebekubona abantu bonke bananela, bakhothamela phansi ngobuso.

Levítico 10

Nadabe e Abiú morrem diante do SENHOR

[1] Nadabe e Abiú, filhos de Arão, tomaram cada um o seu incensário, e puseram neles fogo, e sobre este, incenso, e trouxeram fogo estranho perante a face do SENHOR, o que lhes não ordenara.

[2] Então, saiu fogo de diante do SENHOR e os consumiu; e morreram perante o SENHOR.

[3] E falou Moisés a Arão: Isto é o que o SENHOR disse: Mostrarei a minha santidade naqueles que se cheguem a mim e serei glorificado diante de todo o povo. Porém Arão se calou.

[4] Então, Moisés chamou a Misael e a Elzafã, filhos de Uziel, tio de Arão, e disse-lhes: Chegai, tirai vossos irmãos de diante do santuário, para fora do arraial.

ULevitikusi 10

Isono nesijeziso samadodana ka-Aroni

[1] ONadabi no-Abihu amadodana ka-Aroni bathatha bobabili imicengezi yabo yomlilo, bafaka umlilo kuyo, babeka impepho phezulu, banikela phambi kukaJehova ngomlilo ongafanele, angabayalanga ngawo.

[2]Kwaphuma umlilo ngaphambi kukaJehova, wabaqeda, bafa phambi kukaJehova.

[3] UMose wayesethi ku-Aroni: Yikho uJehova akukhuluma, ethi: Kubo abaseduze nami ngiyakungcweliswa, phambi kwabantu bonke ngiyakukhazimuliswa. U-Aroni wathula.

[4] UMose wabiza oMishayeli no-Elisafani amadodana ka-Uziyeli, uyisekazi ka-Aroni, wathi kubo: Sondelani, nibasuse abafowenu ngaphambi kwendlu engcwele, nibakhiphele ngaphandle kwekamu.

[5] Chegaram-se, pois, e os levaram nas suas túnicas para fora do arraial, como Moisés tinha dito.

[6] Moisés disse a Arão e a seus filhos Eleazar e Itamar: Não desgrenheis os cabelos, nem rasgueis as vossas vestes, para que não morrais, nem venha grande ira sobre toda a congregação; mas vossos irmãos, toda a casa de Israel, lamentem o incêndio que o SENHOR suscitou.

[7] Não saireis da porta da tenda da congregação, para que não morrais; porque está sobre vós o óleo da unção do SENHOR. E fizeram conforme a palavra de Moisés.

Deveres e porções dos sacerdotes

[8] Falou também o SENHOR a Arão, dizendo:

[9] Vinho ou bebida forte tu e teus filhos não bebereis quando entrardes na tenda da congregação, para que não morrais; estatuto perpétuo será isso entre as vossas gerações,

[10] para fazerdes diferença entre o santo e o profano e entre o imundo e o limpo

[11] e para ensinardes aos filhos de Israel todos os estatutos que o SENHOR lhes tem falado por intermédio de Moisés.

[12] Disse Moisés a Arão e aos filhos deste, Eleazar e Itamar, que lhe ficaram: Tomai a oferta de manjares, restante das ofertas queimadas ao SENHOR, e comei-a, sem

[5]Base besondela, babasusa bembethe amabhantshi abo, babakhiphela ngaphandle kwekamu, njengalokho eshilo uMose.

[6]UMose wayesethi ku-Aroni naku-Eleyazare naku-Itamari amadodana akhe: Ningathukululi izinwele zamakhanda enu, ningaklebhuli izambatho zenu ukuba ningafi, ingathukuthelelwa yonke inhlangano, kepha abafowenu, yonke indlu yakwa-Israyeli, mabalilele ukushisa akuphembileyo uJehova.

[7]Ningaphumi emnyango wetende lokuhlangana, funa nife, ngokuba amafutha okugcoba kaJehova aphezu kwenu. Benza-ke njengezwi likaMose.

[8]UJehova wakhuluma ku-Aroni, wathi:

[9] Ungaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, wena namadodana akho kanye nawe, nxa ningena etendeni lokuhlangana, ukuba ningafi; kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu.

[10]Niyakwahlukanisa okungcwele nokungengcwele, okungcolileyo nokuhlambulukileyo,

[11]nize nifundise abantwana bakwa-Israyeli zonke izimiso uJehova azikhulume kubo ngesandla sikaMose.

Izabelo zeminikelo zabapristi

[12] UMose wakhuluma ku-Aroni naku-Eleyazare naku-Itamari amadodana akhe aseleyo, wathi: Thathani umnikelo wempuphu osele eminikelweni yomlilo

fermento, junto ao altar, porquanto coisa santíssima é.

[13] Comê-la-eis em lugar santo, porque isto é a tua porção e a porção de teus filhos, das ofertas queimadas do SENHOR; porque assim me foi ordenado.

[14] Também o peito da oferta movida e a coxa da oferta comereis em lugar limpo, tu, e teus filhos, e tuas filhas, porque foram dados por tua porção e por porção de teus filhos, dos sacrifícios pacíficos dos filhos de Israel.

[15] A coxa da oferta e o peito da oferta movida trarão com as ofertas queimadas de gordura, para mover por oferta movida perante o SENHOR, o que será por estatuto perpétuo, para ti e para teus filhos, como o SENHOR tem ordenado.

[16] Moisés diligentemente buscou o bode da oferta pelo pecado, e eis que já era queimado; portanto, indignando-se grandemente contra Eleazar e contra Itamar, os filhos que de Arão ficaram, disse:

[17] Por que não comestes a oferta pelo pecado no lugar santo? Pois coisa santíssima é; e o SENHOR a deu a vós outros, para levardes a iniqüidade da congregação, para fazerdes expiação por eles diante do SENHOR.

kaJehova, niwudle ungenamvubelo ngaseceleni kwe-altare, ngokuba ungcwelengcwele,

[13]niwudle endaweni engcwele, ngokuba kuyimfanelo yakho nemfanelo yamadodana akho eminikelweni yomlilo kaJehova; ngokuba ngiyaliwe kanjalo.

[14] Isifuba sokuzuliswa nomlenze wokuphakanyiswa niyakukudla endaweni ehlambulukileyo, wena namadodana akho namadodakazi akho kanye nawe, ngokuba kuphiwe kube yimfanelo yakho nemfanelo yamadodana akho emihlatshelweni yeminikelo yokuthula yabantwana bakwa-Israyeli.

[15]Mabalethe umlenze wokuphakanyiswa nesifuba sokuzuliswa kanye neminikelo yomlilo yamanoni ukuba bakuzulise, kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova, kube ngokwakho nokwamadodana akho kanye nawe, kube yimfanelo ephakade, njengalokho uJehova eyalile.

[16] UMose wafunisisa impongo yomnikelo wesono; bheka, yayishisiwe; wabathukuthelela o-Eleyazare no-Itamari amadodana ka-Aroni aseleyo, wathi:

[17] Anidlanga ngani umnikelo wesono endaweni yendlu engcwele, njengokuba ungcwelengcwele, futhi niphiwe wona ukuba nisuse ububi benhlangano, niyenzele ukubuyisana phambi kukaJehova, na?

[18] Eis que desta oferta não foi trazido o seu sangue para dentro do santuário; certamente, devíeis tê-la comido no santuário, como eu tinha ordenado.

[19] Respondeu Arão a Moisés: Eis que, hoje, meus filhos ofereceram a sua oferta pelo pecado e o seu holocausto perante o SENHOR; e tais coisas me sucederam; se eu, hoje, tivesse comido a oferta pelo pecado, seria isso, porventura, aceito aos olhos do SENHOR?

[20] O que ouvindo Moisés, deu-se por satisfeito.

[18]Bhekani, igazi lawo alingeniswanga phakathi endaweni engcwele; bekufanele ngempela ukuba niwudlele endaweni engcwele, njengalokho ngayala.

[19]U-Aroni wathi kuMose: Bheka-ke, namuhla banikele ngomnikelo wabo wesono nangomnikelo wabo wokushiswa phambi kukaJehova; nokho ngehlelwe yilokhu mina; uma bengidlile umnikelo wesono namuhla, bekuzakwamukeleka emehlweni kaJehova na?

[20]Esezwile lokho uMose, kwaba kuhle emehlweni akhe.

Levítico 11

Leis sobre os animais limpos e os imundos

Deuteronômio 14.3-20

[1] Falou o SENHOR a Moisés e a Arão, dizendo-lhes:

[2] Dizei aos filhos de Israel: São estes os animais que comereis de todos os quadrúpedes que há sobre a terra:

[3] todo o que tem unhas fendidas, e o casco se divide em dois, e rumina, entre os animais, esse comereis.

[4] Destes, porém, não comereis: dos que ruminam ou dos que têm unhas fendidas: o camelo, que rumina, mas não tem unhas fendidas; este vos será imundo;

[5] o arganaz, porque rumina, mas não tem as unhas fendidas; este vos será imundo;

[6] a lebre, porque rumina, mas não tem as unhas fendidas; esta vos será imunda.

ULevitikusi 11

Izilwane ezihlambulukileyo nezingcolileyo

[1]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi kubo:

[2] Yishoni kubantwana bakwa-Israyeli, nithi: Yilokhu okuphilayo eningakudla kuzo zonke izilwane zasemhlabeni:

[3]zonke ezahlukanisa inselo, nezidabula inselo kabili, nezetshisayo kuzo izilwane, lezo ningazidla.

[4] Kepha lezi aniyikuzidla kwezetshisayo nakwezahlukanisa inselo: ikamela, ngokuba liyetshisa, lingahlukanisi kodwa inselo; lingcolile kini;

[5]nembila, ngokuba iyetshisa, ingahlukanisi kodwa inselo; ingcolile kini;

[6]nonogwaja, ngokuba uyetshisa, engahlukanisi kodwa inselo; ungcolile kini;

7 Também o porco, porque tem unhas fendidas e o casco dividido, mas não rumina; este vos será imundo;
8 da sua carne não comereis, nem tocareis no seu cadáver. Estes vos serão imundos.
9 De todos os animais que há nas águas comereis os seguintes: todo o que tem barbatanas e escamas, nos mares e nos rios; esses comereis.

10 Porém todo o que não tem barbatanas nem escamas, nos mares e nos rios, todos os que enxameiam as águas e todo ser vivente que há nas águas, estes serão para vós outros abominação.

11 Ser-vos-ão, pois, por abominação; da sua carne não comereis e abominareis o seu cadáver.
12 Todo o que nas águas não tem barbatanas ou escamas será para vós outros abominação.
13 Das aves, estas abominareis; não se comerão, serão abominação: a águia, o quebrantosso e a águia marinha;
14 o milhano e o falcão, segundo a sua espécie,

15 todo corvo, segundo a sua espécie,

16 o avestruz, a coruja, a gaivota, o gavião, segundo a sua espécie,

17 o mocho, o corvo marinho, a íbis,

18 a gralha, o pelicano, o abutre,

7nengulube, ngokuba iyahlukanisa inselo, idabula inselo kabili, ingetshisi kodwa; ingcolile kini.
8Ningadli inyama yazo, ningathinti izidumbu zazo; zingcolile kini.
9 Lezi ningazidla kuzo zonke ezisemanzini: zonke ezinamaphiko nezingcwecwe ezisemanzini neziselwandle nezisemifuleni, lezo ningazidla.
10Kepha zonke ezingenamaphiko nazingcwecwe eziselwandle nezisemifuleni, nazo zonke eziswebezelayo emanzini, nazo zonke izinto eziphilayo emanzini ziyisinengiso kini.

11Zoba yisinengiso kini; ningadli inyama yazo; izidumbu zazo ziyakunengeka kini.

12Zonke ezingenamaphiko nazingcwecwe emanzini ziyisinengiso kini.

13 Yilezi eniyakunengwa yizo ezinyonini; aziyikudliwa, ziyisinengiso: ukhozi, nenqe, nengqungqulu,

14nonhloyile, noheshe ngezinhlobo zakhe,

15nawo onke amagwababa ngezinhlobo zawo,

16nentshe, nenkovana, nenkanu, noklebe ngezinhlobo zakhe,

17nesikhova, nomphishamanzi, nomxwagele,

18nefukezi, nevuba, nophalane,

[19] a cegonha, a garça, segundo a sua espécie, a poupa e o morcego.

[20] Todo inseto que voa, que anda sobre quatro pés será para vós outros abominação.

[21] Mas de todo inseto que voa, que anda sobre quatro pés, cujas pernas traseiras são mais compridas, para saltar com elas sobre a terra, estes comereis.

[22] Deles, comereis estes: a locusta, segundo a sua espécie, o gafanhoto devorador, segundo a sua espécie, o grilo, segundo a sua espécie, e o gafanhoto, segundo a sua espécie.

[23] Mas todos os outros insetos que voam, que têm quatro pés serão para vós outros abominação.

[24] E por estes vos tornareis imundos; qualquer que tocar o seu cadáver imundo será até à tarde.

[25] Qualquer que levar o seu cadáver lavará as suas vestes e será imundo até à tarde.

[26] Todo animal que tem unhas fendidas, mas o casco não dividido em dois e não rumina vos será por imundo; qualquer que tocar neles será imundo.

[27] Todo animal quadrúpede que anda na planta dos pés vos será por imundo; qualquer que tocar o seu cadáver será imundo até à tarde.

[19]nonogolantethe, nonozalizingwenya ngezinhlobo zakhe, noziningweni, nelulwane.

[20] Nezilwanyana zonke ezinamaphiko, ezihamba ngezinyawo zozine, ziyisinengiso kini.

[21]Kepha lezi ningazidla kuzo zonke izilwanyana ezinamaphiko, ezihamba ngezinyawo zozine, ezinamanqina ngaphezu kwezinyawo zazo ukuxhuma ngazo emhlabeni;

[22]kuzo ningadla lezi: isikhonyane ngezinhlobo zaso, namaboni ngezinhlobo zawo, namadiye ngezinhlobo zawo, nezintethe ngezinhlobo zazo.

[23]Kepha zonke ezinye izilwanyana ezinamaphiko nezinyawo ezine ziyisinengiso kini.

[24] Niyakungcoliswa yilezi: bonke abathinta izidumbu zazo bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe.

[25]Bonke abathwala utho lwezidumbu zazo bayakuhlanza izingubo zabo, babe ngabangcolile kuze kuhlwe.

[26] Zonke izilwane ezahlukanisa inselo, zingayidabuli kabili kodwa, zingetshisi, zingcolile kini; bonke abazithintayo bayakuba ngabangcolile.

[27]Nazo zonke ezihamba ngezidladla kuzo zonke izilwane ezihamba ngezinyawo ezine zingcolile kini; bonke abathinta izidumbu zazo bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe.

[28] E o que levar o seu cadáver lavará as suas vestes e será imundo até à tarde; eles vos serão por imundos.

[28]Othwala izidumbu zazo makahlanze izingubo zakhe, abe ngongcolile kuze kuhlwe; zingcolile kini.

[29] Estes vos serão imundos entre o enxame de criaturas que povoam a terra: a doninha, o rato, o lagarto, segundo a sua espécie,

[29] Lezi zingcolile kini kuzo izilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni: uchakide, nempuku, noxamu ngezinhlobo zakhe,

[30] o geco, o crocodilo da terra, a lagartixa, o lagarto da areia e o camaleão;

[30]nesigcilikisha, nesiquzi, nentulo, nesibankwa, nonwabu.

[31] estes vos serão por imundos entre todo o enxame de criaturas; qualquer que os tocar, estando eles mortos, será imundo até à tarde.

[31]Yilezo ezingcolile kini phakathi kwezilwanyana ezinwabuzelayo; bonke abazithintayo sezifile bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe.

[32] E tudo aquilo sobre que cair qualquer deles, estando eles mortos, será imundo, seja vaso de madeira, ou veste, ou pele, ou pano de saco, ou qualquer instrumento com que se faz alguma obra, será metido em água e será imundo até à tarde; então, será limpo.

[32]Konke esiwela phezu kwakho esinye sazo sezifile kuyakuba ngokungcolile, noma kuyinto yomuthi noma yingubo noma yisikhumba noma yisaka noma yintoni okusetshenzwa ngayo; makufakwe emanzini, kube ngokungcolile kuze kuhlwe; khona kuyakuhlanzeka.

[33] E todo vaso de barro, dentro do qual cair alguma coisa deles, tudo o que houver nele será imundo; o vaso quebrareis.

[33]Nezitsha zonke esiwela kuzo esinye sazo, noma yintoni ephakathi kwazo iyakuba ngengcolile, nize nizaphule.

[34] Todo alimento que se come, preparado com água, será imundo; e todo líquido que se bebe, em todo vaso, será imundo.

[34]Konke ukudla okudliwayo okukuzo, afika kukho futhi amanzi anjalo, kuyakuba ngokungcolile, nakho konke okuphuzwayo kuzo izitsha ezinjalo kuyakuba ngokungcolile.

[35] E aquilo sobre o que cair alguma coisa do seu corpo morto será imundo; se for um forno ou um fogareiro de barro, serão quebrados; imundos são; portanto, vos serão por imundos.

[35]Konke esiwela kukho isidumbu sazo kuyakuba ngokungcolile, noma iziko noma ikhanzi; makuphohlozwe; kungcolile, kuyakuba ngokungcolile kini.

[36] Porém a fonte ou cisterna, em que se recolhem águas, será limpa; mas quem

[36]Kepha umthombo nomgodi lapho amanzi eqoqene khona uyakube

tocar no cadáver desses animais será imundo.

[37] Se do seu cadáver cair alguma coisa sobre alguma semente de semear, esta será limpa;

[38] mas, se alguém deitar água sobre a semente, e, se do cadáver cair alguma coisa sobre ela, vos será imunda.

[39] Se morrer algum dos animais de que vos é lícito comer, quem tocar no seu cadáver será imundo até à tarde;

[40] quem do seu cadáver comer lavará as suas vestes e será imundo até à tarde; e quem levar o seu corpo morto lavará as suas vestes e será imundo até à tarde.

[41] Também todo enxame de criaturas que povoam a terra será abominação; não se comerá.

[42] Tudo o que anda sobre o ventre, e tudo o que anda sobre quatro pés ou que tem muitos pés, entre todo enxame de criaturas que povoam a terra, não comereis, porquanto são abominação.

[43] Não vos façais abomináveis por nenhum enxame de criaturas, nem por elas vos contaminareis, para não serdes imundos.

[44] Eu sou o SENHOR, vosso Deus; portanto, vós vos consagrareis e sereis santos, porque eu sou santo; e não vos contaminareis por nenhum enxame de criaturas que se arrastam sobre a terra.

[45] Eu sou o SENHOR, que vos faço subir da terra do Egito, para que eu seja vosso

uhlambulukile, kodwa okuthinta izidumbu zazo kuyakuba ngokungcolile.

[37]Uma izidumbu zazo ziwela phezu kwembewu etshalwayo ezakuhlwanyelwa, iyakuba ngehlambulukile.

[38]Kepha uma amanzi ethelwa embewini, izidumbu zazo ziwele phezu kwayo, ingcolile kini.

[39] Uma kufa isilwane esidliwayo, othinta isidumbu saso uyakuba ngongcolile kuze kuhlwe.

[40] Odla isidumbu saso makahlanze izingubo zakhe, abe ngongcolile kuze kuhlwe; nothwala isidumbu saso makahlanze izingubo zakhe, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

[41] Zonke izilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni ziyisinengiso; mazingadliwa.

[42]Zonke ezihamba ngesisu, nazo zonke ezihamba ngezinyawo ezine noma ngeziningi, nazo zonke ezinwabuzelayo emhlabeni, ningazidli, ngokuba ziyisinengiso.

[43]Ningazenzi ninengeke ngezilwanyana ezinwabuzelayo, ningazingcolisi ngazo, funa ningcole ngazo.

[44] Ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wenu; ngalokho zingcweliseni, nibe ngcwele, ngokuba mina ngingcwele; ningazingcolisi ngezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni.

[45]Ngokuba nginguJehova owakukhuphula ezweni laseGibithe, ngibe nguNkulunkulu

Deus; portanto, vós sereis santos, porque eu sou santo.

[46] Esta é a lei dos animais, e das aves, e de toda alma vivente que se move nas águas, e de toda criatura que povoa a terra,

[47] para fazer diferença entre o imundo e o limpo e entre os animais que se podem comer e os animais que se não podem comer.

Levítico 12

A purificação da mulher depois do parto

[1] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[2] Fala aos filhos de Israel: Se uma mulher conceber e tiver um menino, será imunda sete dias; como nos dias da sua menstruação, será imunda.

[3] E, no oitavo dia, se circuncidará ao menino a carne do seu prepúcio.

[4] Depois, ficará ela trinta e três dias a purificar-se do seu sangue; nenhuma coisa santa tocará, nem entrará no santuário até que se cumpram os dias da sua purificação.

[5] Mas, se tiver uma menina, será imunda duas semanas, como na sua menstruação; depois, ficará sessenta e seis dias a purificar-se do seu sangue.

[6] E, cumpridos os dias da sua purificação por filho ou filha, trará ao sacerdote um

wenu; ngalokho yibani ngcwele, ngokuba ngingcwele.

[46] Yilowo umthetho wezilwane nowezinyoni nowezilwane zonke eziswebezelayo emanzini, nowezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni,

[47]ukuba kwahlukaniswe okungcolileyo nokuhlambulukileyo, okuphilayo okudliwayo nokuphilayo okungadliwayo.

ULevitikusi 12

Ukuhlanjululwa kwababelethayo

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Uma owesifazane ekhulelwa, azale umfana, uyakuba ngongcolile izinsuku eziyisikhombisa; njengasemihleni yokungcola ngefindo lakhe wohlala engcolile.

[3] Ngosuku lwesishiyagalombili inyama yejwabu lakhe iyakusokwa.

[4]Abesehlala esegazini lokuhlambuluka izinsuku ezingamashumi amathathu nantathu, angathinti lutho olungcwele, angangeni endlini engcwele, zize ziphelele izinsuku zokuhlambuluka kwakhe.

[5]Kepha uma ezala intombazana, makabe ngongcolile amasonto amabili njengasekungcoleni ngefindo lakhe, ahlale esegazini lokuhlambuluka izinsuku ezingamashumi ayisithupha nesithupha.

[6] Nanxa seziphelile izinsuku zokuhlambuluka kwakhe ngomfana noma

cordeiro de um ano, por holocausto, e um pombinho ou uma rola, por oferta pelo pecado, à porta da tenda da congregação;

ngentombazana, makalethe imvu enomnyaka munye, ibe ngumnikelo wokushiswa, nephuphu lejuba noma ihobhe, libe ngumnikelo wesono, akulethe ngasemnyango wetende lokuhlangana kumpristi,

7 o sacerdote o oferecerá perante o SENHOR e, pela mulher, fará expiação; e ela será purificada do fluxo do seu sangue; esta é a lei da que der à luz menino ou menina.

7 yena anikele ngakho phambi kukaJehova, amenzele ukubuyisana, aze ahlambuluke emthonjeni wegazi lakhe. Yilowo umthetho wozalayo umfana noma intombazana.

8 Mas, se as suas posses não lhe permitirem trazer um cordeiro, tomará, então, duas rolas ou dois pombinhos, um para o holocausto e o outro para a oferta pelo pecado; assim, o sacerdote fará expiação pela mulher, e será limpa.

8 Uma amandla akhe enganeli imvu, khona uyakuthatha amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, elinye libe ngumnikelo wokushiswa, elinye libe ngumnikelo wesono, umpristi amenzele ukubuyisana, aze ahlambuluke.

Levítico 13

As leis acerca da lepra

1 Disse o SENHOR a Moisés e a Arão:

2 O homem que tiver na sua pele inchação, ou pústula, ou mancha lustrosa, e isto nela se tornar como praga de lepra, será levado a Arão, o sacerdote, ou a um de seus filhos, sacerdotes.

3 O sacerdote lhe examinará a praga na pele; se o pêlo na praga se tornou branco, e a praga parecer mais profunda do que a pele da sua carne, é praga de lepra; o sacerdote o examinará e o declarará imundo.

ULevitikusi 13

Imithetho yochoko kubantu nasezingutsheni

1 UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

2 Nxa kumila esikhumbeni senyama yomuntu idunguza noma utwayi noma ibala elikhanyayo, kuvele esikhumbeni senyama yakhe isifo sochoko, makalethwe ku-Aroni umpristi, noma kwenye yamadodana akhe, abapristi,

3 umpristi abheke isifo esisesikhumbeni senyama; uma uboya obusebaleni buphendukile baba mhlophe, nanxa ibala libonakala lishonile kunesikhumba senyama yakhe, kuyisifo sochoko; umpristi uyakumbheka, asho athi ungcolile.

[4] Se a mancha lustrosa na pele for branca e não parecer mais profunda do que a pele, e o pêlo não se tornou branco, então, o sacerdote encerrará por sete dias o que tem a praga.

[4]Uma ibala elikhanyayo limhlophe esikhumbeni senyama yakhe, lingabonakali lishonile kunesikhumba, noboya balo bungaphendukile baba mhlophe, khona umpristi uyakumvalela onesifo izinsuku eziyisikhombisa,

[5] Ao sétimo dia, o sacerdote o examinará; se, na sua opinião, a praga tiver parado e não se estendeu na sua pele, então, o sacerdote o encerrará por outros sete dias.

[5]umpristi ambheke ngosuku lwesikhombisa; uma isifo ngokubona kwakhe sisemi, ibala lingandanga esikhumbeni, bheka, khona umpristi uyakumvalela ezinye izinsuku eziyisikhombisa,

[6] O sacerdote, ao sétimo dia, o examinará outra vez; se a lepra se tornou baça e na pele se não estendeu, então, o sacerdote o declarará limpo; é pústula; o homem lavará as suas vestes e será limpo.

[6]umpristi abuye ambheke ngosuku lwesikhombisa; uma ibala lifiphele, isifo singandanga esikhumbeni, bheka, khona umpristi uyakusho athi uhlambulukile; kulutwayi; uyakuhlanza izingubo zakhe, ahlambuluke.

[7] Mas, se a pústula se estende muito na pele, depois de se ter mostrado ao sacerdote para a sua purificação, outra vez se mostrará ao sacerdote.

[7]Kepha uma utwayi lwanda esikhumbeni esezibonakalisile kumpristi ngokuhlambuluka kwakhe, abuye eziveze kumpristi,

[8] Este o examinará, e se a pústula se tiver estendido na pele, o sacerdote o declarará imundo; é lepra.

[8]umpristi abheke; uma utwayi lwandile esikhumbeni, bheka, khona umpristi uyakusho athi ungcolile; kuluchoko.

[9] Quando no homem houver praga de lepra, será levado ao sacerdote.

[9] Nxa isifo sochoko sikumuntu, uyakulethwa kumpristi,

[10] E o sacerdote o examinará; se há inchação branca na pele, a qual tornou o pêlo branco, e houver carne viva na inchação,

[10]umpristi abheke; bheka, uma kukhona idunguza elimhlophe esikhumbeni, liphendulile uboya baba mhlophe, nanxa kukhona inyama ebomvu edunguzeni,

[11] é lepra inveterada na pele; portanto, o sacerdote o declarará imundo; não o encerrará, porque é imundo.

[11]bheka, kuluchoko oludala esikhumbeni senyama yakhe; khona umpristi uyakusho athi ungcolile, angamvaleli, ngokuba ungcolile.

[12] Se a lepra se espalhar de todo na pele e cobrir a pele do que tem a lepra, desde a cabeça até aos pés, quanto podem ver os olhos do sacerdote,

[13] então, este o examinará. Se a lepra cobriu toda a sua carne, declarará limpo o que tem a mancha; a lepra tornou-se branca; o homem está limpo.

[14] Mas, no dia em que aparecer nele carne viva, será imundo.

[15] Vendo, pois, o sacerdote a carne viva, declará-lo-á imundo; a carne viva é imunda; é lepra.

[16] Se a carne viva mudar e ficar de novo branca, então, virá ao sacerdote,

[17] e este o examinará. Se a lepra se tornou branca, então, o sacerdote declarará limpo o que tem a praga; está limpo.

[18] Quando sarar a carne em cuja pele houver uma úlcera,

[19] e no lugar da úlcera aparecer uma inchação branca ou mancha lustrosa, branca que tira a vermelho, mostrar-se-á ao sacerdote.

[20] O sacerdote a examinará; se ela parece mais funda do que a pele, e o seu pêlo se tornou branco, o sacerdote o declarará imundo; praga de lepra é, que brotou da úlcera.

[21] Porém, se o sacerdote a examinar, e nela não houver pêlo branco, e não estiver ela mais funda do que a pele, porém baça,

[12] Uma uchoko luqhamuka esikhumbeni, ukuze uchoko lusibekele isikhumba sonke sonesifo, kusukela ekhanda kuze kufike ezinyaweni njengokubona kompristi,

[13]umpristi wobheka; uma uchoko lusibekele yonke inyama yakhe, bheka, uyakusho athi onesifo uhlambulukile; konke kuphendukile kwaba mhlophe: uhlambulukile.

[14]Kepha njalo uma kuvela kuye inyama ebomvu, uyakuba ngongcolile.

[15]Umpristi uyakubheka inyama ebomvu, asho athi ungcolile; inyama ebomvu ingcolile, iluchoko.

[16]Uma-ke inyama ebomvu ibuye iphenduka ibe mhlophe, makaye kumpristi,

[17]umpristi ambheke; uma ibala liphendukile laba mhlophe, bheka, khona umpristi uyakusho athi onesifo uhlambulukile; uhlambulukile.

[18] Nxa inyama ibinethumba esikhumbeni sayo, selaphola,

[19]kube yidunguza elimhlophe endaweni yethumba noma ibala elikhanyayo, limhlophe libomvana, khona kuyakuboniswa umpristi,

[20]umpristi abheke; uma libonakala lishonile kunesikhumba, uboya balo buphendukile baba mhlophe, bheka, makasho athi ungcolile: kuyisifo sochoko, siqhamukile ethumbeni.

[21]Kepha uma umpristi elibheka, kungekho boya obumhlophe kulo, lingashonile kunesikhumba, kodwa lifiphele, bheka,

então, o sacerdote o encerrará por sete dias.

22 Se ela se estender na pele, o sacerdote declarará imundo o homem; é lepra.

23 Mas, se a mancha lustrosa parar no seu lugar, não se estendendo, é cicatriz da úlcera; o sacerdote, pois, o declarará limpo.

24 Quando, na pele, houver queimadura de fogo, e a carne viva da queimadura se tornar em mancha lustrosa, branca que tira a vermelho ou branco,

25 o sacerdote a examinará. Se o pêlo da mancha lustrosa se tornou branco, e ela parece mais funda do que a pele, é lepra que brotou na queimadura. O sacerdote declarará imundo o homem; é a praga de lepra.

26 Porém, se o sacerdote a examinar, e não houver pêlo branco na mancha lustrosa, e ela não estiver mais funda que a pele, mas for de cor baça, o sacerdote encerrará por sete dias o homem.

27 Depois, o sacerdote o examinará ao sétimo dia; se ela se tiver estendido na pele, o sacerdote o declarará imundo; é praga de lepra.

28 Mas, se a mancha lustrosa parar no seu lugar e na pele não se estender, mas se tornou baça, é inchação da queimadura; portanto, o sacerdote o declarará limpo, porque é cicatriz da queimadura.

29 Quando o homem (ou a mulher) tiver praga na cabeça ou na barba,

khona umpristi uyakumvalela izinsuku eziyisikhombisa;

22uma landa nokwanda esikhumbeni, umpristi makasho athi ungcolile; kuyisifo.

23Kodwa uma ibala elikhanyayo limi endaweni yalo lingandi, kuyisibanda sethumba; umpristi makasho athi uhlambulukile.

24 Nxa inyama inesibazi esikhumbeni sayo, inyama ebomvu yesibazi iphenduke ibala elikhanyayo, limhlophe libomvana noma limhlophe nje,

25umpristi makalibheke; uma uboya obusebaleni elikhanyayo buphendukile baba mhlophe, libonakala lishonile kunesikhumba, bheka, kuluchoko; luqhamukile esibazini; khona umpristi uyakusho athi ungcolile; kuyisifo sochoko.

26Kepha uma umpristi elibheka, kungekho boya obumhlophe ebaleni elikhanyayo, lingashonile kunesikhumba, kodwa lifiphele, bheka, khona umpristi uyakumvalela izinsuku eziyisikhombisa,

27umpristi ambheke ngosuku lwesikhombisa; uma landile nokwanda esikhumbeni, umpristi uyakusho athi ungcolile; kuyisifo sochoko.

28Uma ibala elikhanyayo limi endaweni yalo, lingandi esikhumbeni, kodwa lifiphele, kuyidunguza lesibazi; umpristi makasho athi uhlambulukile, ngokuba kuyisibanda sesibazi.

29 Nxa owesilisa noma owesifazane enesifo ekhanda noma esilevini,

[30] o sacerdote examinará a praga; se ela parece mais funda do que a pele, e pêlo amarelo fino nela houver, o sacerdote o declarará imundo; é tinha, é lepra da cabeça ou da barba.

[31] Mas, se o sacerdote, havendo examinado a praga da tinha, achar que ela não parece mais funda do que a pele, e, se nela não houver pêlo preto, então, o sacerdote encerrará o que tem a praga da tinha por sete dias.

[32] Ao sétimo dia, o sacerdote examinará a praga; se a tinha não se tiver espalhado, e nela não houver pêlo amarelo, e a tinha não parecer mais funda do que a pele,

[33] então, o homem será rapado; mas não se rapará a tinha. O sacerdote, por mais sete dias, encerrará o que tem a tinha.

[34] Ao sétimo dia, o sacerdote examinará a tinha; se ela não se houver estendido na pele e não parecer mais funda do que a pele, o sacerdote declarará limpo o homem; este lavará as suas vestes e será limpo.

[35] Mas, se a tinha, depois da sua purificação, se tiver espalhado muito na pele,

[36] então, o sacerdote o examinará; se a tinha se tiver espalhado na pele, o sacerdote não procurará pêlo amarelo; está imundo.

[30]umpristi uyakubheka ibala; uma libonakala lishonile kunesikhumba, kube kulo izinwele ezincane ezimpofu, bheka, umpristi makasho athi ungcolile: kungumuna, kuluchoko lwekhanda noma olwesilevu.

[31]Uma umpristi ebheka ibala lomuna, libonakala lingashonile kunesikhumba, kungekho zinwele ezimnyama kulo, bheka, khona umpristi uyakumvalela onesifo somuna izinsuku eziyisikhombisa,

[32]ngosuku lwesikhombisa umpristi abheke isifo; uma umuna ungandile, futhi kungekho zinwele ezimpofu kuwo, umuna ubonakala ungashonile kunesikhumba,

[33]bheka, uyakuziphucula, angaphuculi umuna kodwa, umpristi amvalele onomuna ezinye izinsuku eziyisikhombisa;

[34]ngosuku lwesikhombisa umpristi abheke umuna; uma umuna ungandile esikhumbeni, futhi ubonakala ungashonile kunesikhumba, bheka, umpristi makasho athi uhlambulukile; makahlanze izingubo zakhe, ahlambuluke.

[35]Kepha uma umuna wanda esikhumbeni esehlambulukile,

[36]umpristi wombheka; uma umuna wandile nokwanda esikhumbeni, bheka, umpristi makangafuni izinwele ezimpofu; ungcolile.

[37] Mas, se a tinha, a seu ver, parou, e pêlo preto cresceu nela, a tinha está sarada; ele está limpo, e o sacerdote o declarará limpo.

[38] E, quando o homem (ou a mulher) tiver manchas lustrosas na pele,

[39] então, o sacerdote o examinará; se na pele aparecerem manchas baças, brancas, é impigem branca que brotou na pele; está limpo.

[40] Quando os cabelos do homem lhe caírem da cabeça, é calva; contudo, está limpo.

[41] Se lhe caírem na frente da cabeça, é antecalva; contudo, está limpo.

[42] Porém, se, na calva ou na antecalva, houver praga branca, que tira a vermelho, é lepra, brotando na calva ou na antecalva.

[43] Havendo, pois, o sacerdote examinado, se a inchação da praga, na sua calva ou antecalva, está branca, que tira a vermelho, como parece a lepra na pele,

[44] é leproso aquele homem, está imundo; o sacerdote o declarará imundo; a sua praga está na cabeça.

[45] As vestes do leproso, em quem está a praga, serão rasgadas, e os seus cabelos

[37]Kodwa uma ngokubona kwakhe umuna umi, kumililе kuwo izinwele ezimnyama, umuna usupholile, uhlambulukile; umpristi makasho athi uhlambulukile.

[38] Nanxa owesilisa noma owesifazane enamabala akhanyayo esikhumbeni senyama yabo, amabala amhlophe akhanyayo,

[39]khona umpristi wobheka; uma amabala akhanyayo asesikhumbeni senyama yabo emhloshana efiphele, bheka, kuyisithembuzane esiqhamukile.

[40] Uma izinwele zomuntu zisukile ekhanda lakhe, uyimpandla; uhlambulukile.

[41]Uma izinwele zisukile ekhanda lakhe ngasebusweni, uyimpandla ebunzini; uhlambulukile.

[42]Kepha uma kukhona empandleni esekhanda noma empandleni esebunzini isifo esimhlophe sibomvana, kuluchoko oluqhamuka empandleni esekhanda lakhe noma empandleni esebunzini lakhe.

[43]Khona umpristi uyakumbheka; uma idunguza lesifo limhlophe libomvana empandleni esekhanda lakhe noma empandleni esebunzini lakhe, njengokubonakala kochoko esikhumbeni senyama,

[44]bheka, ungumuntu onochoko; ungcolile; umpristi makasho athi ungcolile; isifo sakhe sisekhanda lakhe.

[45] Onochoko esikuye isifo, maziklejulwe izingubo zakhe, zithukululwe izinwele

serão desgrenhados; cobrirá o bigode e clamará: Imundo! Imundo!

46 Será imundo durante os dias em que a praga estiver nele; é imundo, habitará só; a sua habitação será fora do arraial.

47 Quando também em alguma veste houver praga de lepra, veste de lã ou de linho,

48 seja na urdidura, seja na trama, de linho ou de lã, em pele ou em qualquer obra de peles,

49 se a praga for esverdinhada ou avermelhada na veste, ou na pele, ou na urdidura, ou na trama, em qualquer coisa feita de pele, é a praga de lepra, e mostrar-se-á ao sacerdote.

50 O sacerdote examinará a praga e encerrará, por sete dias, aquilo que tem a praga.

51 Então, examinará a praga ao sétimo dia; se ela se houver estendido na veste, na urdidura ou na trama, seja na pele, seja qual for a obra em que se empregue, é lepra maligna; isso é imundo.

52 Pelo que se queimará aquela veste, seja a urdidura, seja a trama, de lã, ou de linho, ou qualquer coisa feita de pele, em que se acha a praga, pois é lepra maligna; tudo se queimará.

zakhe, amboze amadevu akhe, akhale athi: Ngingcolile! Ngingcolile!

46 Zonke izinsuku isifo sisekuye uyakuba ngongcolile; ungcolile; uyakuhlala yedwa; indawo yokuhlala kwakhe iyakuba ngaphandle kwekamu.

47 Ingubo esikuyo isifo sochoko, noma yingubo yoboya noma yingubo yelineni,

48noma sisezintanjeni eziqondileyo noma sikwezinqamulayo, ezelineni noma ezoboya bezimvu, noma sisesikhumbeni, noma sisentweni eyenziwe ngesikhumba,

49uma ibala liluhlazana noma libomvana engutsheni noma esikhumbeni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba, kuyisifo sochoko, siyakuboniswa umpristi.

50Umpristi makabheke isifo, akuvalele lokho okunochoko izinsuku eziyisikhombisa,

51abheke isifo ngosuku lwesikhombisa; uma isifo sandile engutsheni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma esikhumbeni, nakuba isikhumba sisetshenziswa kumuphi umsebenzi, bheka, isifo siluchoko olubi.

52Woshisa ingubo, noma izintanjana eziqondileyo noma ezinqamulayo, noma eyoboya bezimbuzi noma eyelineni, noma into yesikhumba esikuyo isifo, ngokuba kuluchoko olubi; kuyakushiswa ngomlilo.

[53] Mas, examinando o sacerdote, se a praga não se tiver espalhado na veste, nem na urdidura, nem na trama, nem em qualquer coisa feita de pele,
[54] então, o sacerdote ordenará que se lave aquilo em que havia a praga e o encerrará por mais sete dias;
[55] o sacerdote, examinando a coisa em que havia praga, depois de lavada aquela, se a praga não mudou a sua cor, nem se espalhou, está imunda; com fogo a queimarás; é lepra roedora, seja no avesso ou no direito.

[56] Mas, se o sacerdote examinar a mancha, e esta se tornou baça depois de lavada, então, a rasgará da veste, ou da pele, ou da urdidura, ou da trama.

[57] Se a praga ainda aparecer na veste, quer na urdidura, quer na trama, ou em qualquer coisa feita de pele, é lepra que se espalha; com fogo queimarás aquilo em que está a praga.

[58] Mas a veste, quer na urdidura, quer na trama, ou qualquer coisa de peles, que lavares e de que a praga se retirar, se lavará segunda vez e será limpa.

[59] Esta é a lei da praga da lepra da veste de lã ou de linho, quer na urdidura, quer na trama; ou de qualquer coisa de peles, para se poder declará-las limpas ou imundas.

Levítico 14

[53] Uma umpristi ebheka, isifo singandile engutsheni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba,
[54]bheka, umpristi woyala ukuba bahlanze into isifo esikuyo, ayivalele ezinye izinsuku eziyisikhombisa;
[55]umpristi ayibheke emva kokuhlanzwa kwesifo; bheka, uma ibala lingaphendulile umbala walo, lingandile, ingcolile; woyishisa ngomlilo; kungumcothu odlayo noma iqothukile ngaphakathi noma ngaphandle.
[56]Uma umpristi ebheka, ibala selifiphele lihlanziwe, bheka, makalintwengule engutsheni noma esikhumbeni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo;
[57]uma lisabonakala engutsheni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba, wokushisa ngomlilo lokho isifo esikukho.
[58]Ingubo noma izintanjana eziqondileyo noma ezinqamulayo noma intoni yesikhumba oyakuyihlanza, uma ibala lisuka kukho, kohlanzwa ngokwesibili, kuhlambuluke.
[59]Lowo ungumthetho wesifo sochoko engutsheni yoboya bezimvu noma kweyelineni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba wokusho ukuthi kuhlambulukile noma kungcolile.

ULevitikusi 14

A lei acerca do leproso depois de sarado

1 Disse o SENHOR a Moisés:

2 Esta será a lei do leproso no dia da sua purificação: será levado ao sacerdote;

[16] Ungahambahambi ucetheza phakathi kwabantu bakho, ungamelani nokuphila komakhelwane wakho; ngikuJehova.
[17] Ungazondi umfowenu enhliziyweni yakho; ungamkhuza nokumkhuza umakhelwane wakho, kepha ungabi nasono ngaye.
[18] Ungaphindisi, ungabi namagqubu nabantwana babantu bakho, kepha wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena; ngikuJehova.

[19] Niyakugcina izimiso zami; ungavumeli izilwane zakho zizekwe ngolunye uhlobo; ungahlwanyeli ensimini yakho izinhlobo ezimbili zembewu; kungezi phezu kwakho ingubo eyizinhlobonhlobo zezintanjana.

[20] Olala nowesifazane oyisigqilakazi eyingoduso, engahlengiwe, engakhululiwe ngesihle, makabe nesijeziso, angabulawa nokho, ngokuba wayengakhululekile.
[21]Uyakuletha umnikelo wakhe wecala kuJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana, inqama ibe ngumnikelo wecala.
[22]Umpristi uyakumenzela ukubuyisana ngenqama yomnikelo wecala phambi kukaJehova ngesono sakhe one ngaso, athethelelwe isono sakhe one ngaso.

[23] Nanxa senifikile ezweni, nitshale imithi eyizinhlobonhlobo edliwayo, anothi izithelo zayo zingukungasoki kwayo;

iminyaka emithathu iyakuba njengengasokiwe kini: mazingadliwa.

[24] Porém, no quarto ano, todo o seu fruto será santo, será oferta de louvores ao SENHOR.

[24]Kepha ngomnyaka wesine zonke izithelo zayo ziyakuba ngcwele, ezokumdumisa uJehova.

[25] No quinto ano, comereis fruto dela para que vos faça aumentar a sua produção. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[25]Ngomnyaka wesihlanu niyakudla kuzo izithelo zayo, ukuze inithelele kakhulu; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

[26] Não comereis coisa alguma com sangue; não agourareis, nem adivinhareis.

[26] Aniyikudla lutho olunegazi, ningenzi imilingo, ningahloli imihlola.

[27] Não cortareis o cabelo em redondo, nem danificareis as extremidades da barba.

[27] Aniyikudilinga amakhanda enu emaceleni; ungoni isilevu sakho emaceleni.

[28] Pelos mortos não ferireis a vossa carne; nem fareis marca nenhuma sobre vós. Eu sou o SENHOR.

[28] Aniyikuzigcaba emizimbeni yenu ngenxa yabafileyo, ningazilobi amabala; nginguJehova.

[29] Não contaminarás a tua filha, fazendo-a prostituir-se; para que a terra não se prostitua, nem se encha de maldade.

[29] Awuyikuhlambalaza indodakazi yakho ukuyenza isifebe, funa izwe lehlelwe ngubufebe, izwe ligcwale ukonakala.

[30] Guardareis os meus sábados e reverenciareis o meu santuário. Eu sou o SENHOR.

[30] Anogcina amasabatha ami, nihloniphe indlu yami engcwele; nginguJehova.

[31] Não vos voltareis para os necromantes, nem para os adivinhos; não os procureis para serdes contaminados por eles. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[31] Ningaphendukeli kwabanamadlozi nakubathakathi, ningabafuni ukuba ningcoliswe yibo; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

[32] Diante das cãs te levantarás, e honrarás a presença do ancião, e temerás o teu Deus. Eu sou o SENHOR.

[32] Wosukuma phambi kwempunga, uhloniphe ubuso bomuntu omdala, umesabe uNkulunkulu wakho; nginguJehova.

[33] Se o estrangeiro peregrinar na vossa terra, não o oprimireis.

[33] Uma umfokazi egogobele kuwe ezweni lakini, aniyikumhlupha.

[34] Como o natural, será entre vós o estrangeiro que peregrina convosco; amá-lo-eis como a vós mesmos, pois

[34]Umfokazi ogogobeleyo kini uyakuba kini njengowokuzalwa ekhaya phakathi kwenu, umthande njengalokhu uzithanda

estrangeiros fostes na terra do Egito. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

wena, ngokuba naningabafokazi ezweni laseGibithe; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

Pesos e medidas justos
Deuteronômio 25.13-16

35 Não cometereis injustiça no juízo, nem na vara, nem no peso, nem na medida.

35 Aniyikwenza ukungalungi ekwahluleleni, ekulinganiseni ubude noma isisindo noma ubuningi.

36 Balanças justas, pesos justos, efa justo e justo him tereis. Eu sou o SENHOR, vosso Deus, que vos tirei da terra do Egito.

36 Niyakuba nezilinganiso ezilungileyo, nezisindo ezilungileyo, ne-efa elilungileyo, nehini elilungileyo; nginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe.

37 Guardareis todos os meus estatutos e todos os meus juízos e os cumprireis. Eu sou o SENHOR.

37 Anogcina zonke izimiso zami nazo zonke izahlulelo zami, nizenze; nginguJehova.

Levítico 20

As penas de diversos crimes

1 Disse mais o SENHOR a Moisés:

2 Também dirás aos filhos de Israel: Qualquer dos filhos de Israel, ou dos estrangeiros que peregrinam em Israel, que der de seus filhos a Moloque será morto; o povo da terra o apedrejará.

3 Voltar-me-ei contra esse homem, e o eliminarei do meio do seu povo, porquanto deu de seus filhos a Moloque, contaminando, assim, o meu santuário e profanando o meu santo nome.

4 Se o povo da terra fechar os olhos para não ver esse homem, quando der de seus filhos a Moloque, e o não matar,

ULevitikusi 20

Izimiso zezijeziso

1 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Futhi uyakusho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Yilowo nalowo wabantwana bakwa-Israyeli, noma owabafokazi abagogobeleyo kwa-Israyeli, onikela ngenzalo yakhe kuMoloki, wobulawa nokubulawa, abantu balelo zwe bamkhande ngamatshe.

3 Ngiyakubeka ubuso bami bumelane nalowo muntu, ngimnqume kubantu bakubo, ngokuba unikela ngenzalo yakhe kuMoloki ukungcolisa indlu yami engcwele nokuhlambalaza igama lami elingcwele.

4 Uma abantu balelo zwe besitheza kancane amehlo abo kulowo muntu, lapho enikela ngenzalo yakhe kuMoloki, bangambulali,

[5] então, eu me voltarei contra esse homem e contra a sua família e o eliminarei do meio do seu povo, com todos os que após ele se prostituem com Moloque.

[5]ngiyakubeka ubuso bami bumelane nalowo muntu nomndeni wakhe, ngimnqume kubantu bakubo kanye nabo bonke abaya kuye ukuphinga, beyophinga noMoloki.

[6] Quando alguém se virar para os necromantes e feiticeiros, para se prostituir com eles, eu me voltarei contra ele e o eliminarei do meio do seu povo.

[6] Nalowo muntu ophendukela kwabanamadlozi nakubathakathi ukuya kubo ukuba aphinge, ngiyakubeka ubuso bami bumelane nalowo muntu, ngimnqume kubantu bakubo.

[7] Portanto, santificai-vos e sede santos, pois eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[7] Ngalokho zingcweliseni nibe ngcwele, ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wenu.

[8] Guardai os meus estatutos e cumpri-os. Eu sou o SENHOR, que vos santifico.

[8]Anogcina izimiso zami, nizenze; nginguJehova oningcwelisayo.

[9] Se um homem amaldiçoar a seu pai ou a sua mãe, será morto; amaldiçoou a seu pai ou a sua mãe; o seu sangue cairá sobre ele.

[9] Ngokuba yilowo nalowo othuka uyise noma unina wobulawa nokubulawa; uthukile uyise noma unina; igazi lakhe liyakuba phezu kwakhe.

[10] Se um homem adulterar com a mulher do seu próximo, será morto o adúltero e a adúltera.

[10] Umuntu ophinga nomfazi womunye umuntu nophinga nomkamakhelwane wakhe, isiphingi nesiphingikazi ziyakubulawa nokubulawa.

[11] O homem que se deitar com a mulher de seu pai terá descoberto a nudez de seu pai; ambos serão mortos; o seu sangue cairá sobre eles.

[11] Umuntu olala nomkayise wambulile ubunqunu bukayise; bobabili bobulawa nokubulawa, igazi labo libe phezu kwabo.

[12] Se um homem se deitar com a nora, ambos serão mortos; fizeram confusão; o seu sangue cairá sobre eles.

[12] Uma umuntu elala nomalokazana wakhe, bobabili bobulawa nokubulawa; benzile ichilo; igazi labo malibe phezu kwabo.

[13] Se também um homem se deitar com outro homem, como se fosse mulher, ambos praticaram coisa abominável; serão mortos; o seu sangue cairá sobre eles.

[13] Uma indoda ilala nowesilisa njenganowesifazane, bobabili benzile isinengiso; bobulawa nokubulawa, igazi labo libe phezu kwabo.

[14] Se um homem tomar uma mulher e sua mãe, maldade é; a ele e a elas queimarão, para que não haja maldade no meio de vós.
[15] Se também um homem se ajuntar com um animal, será morto; e matarás o animal.
[16] Se uma mulher se achegar a algum animal e se ajuntar com ele, matarás tanto a mulher como o animal; o seu sangue cairá sobre eles.

[17] Se um homem tomar a sua irmã, filha de seu pai ou filha de sua mãe, e vir a nudez dela, e ela vir a dele, torpeza é; portanto, serão eliminados na presença dos filhos do seu povo; descobriu a nudez de sua irmã; levará sobre si a sua iniqüidade.

[18] Se um homem se deitar com mulher no tempo da enfermidade dela e lhe descobrir a nudez, descobrindo a sua fonte, e ela descobrir a fonte do seu sangue, ambos serão eliminados do meio do seu povo.

[19] Também a nudez da irmã de tua mãe ou da irmã de teu pai não descobrirás; porquanto descobriu a nudez da sua parenta, sobre si levarão a sua iniqüidade.
[20] Também se um homem se deitar com a sua tia, descobriu a nudez de seu tio; seu pecado sobre si levarão; morrerão sem filhos.

[14] Uma umuntu ethatha umfazi kanye nonina, kungukonakala; bayakushiswa ngomlilo yena nabo, ukuze kungabikho konakala phakathi kwenu.
[15] Uma umuntu elala nesilwane, wobulawa nokubulawa, nisihlabe isilwane.
[16] Uma owesifazane esondela esilwaneni, alale naso, wobulala owesifazane nesilwane; bobulawa nokubulawa, igazi labo libe phezu kwabo.
[17] Uma umuntu ethatha udadewabo, indodakazi kayise noma indodakazi kanina, abone ubunqunu bakhe, naye abone ubunqunu bakhe, kuyihlazo; bayakunqunywa phambi kwabantwana babantu bakubo; wambulile ubunqunu bukadadewabo; uyakuthwala ububi bakhe.
[18] Uma umuntu elala nowesifazane onefindo lakhe, ambule ubunqunu bakhe, unqunisile umthombo wakhe, naye wambulile umthombo wegazi lakhe; bobabili bayakunqunywa kubantu bakubo.
[19] Ungambuli ubunqunu bukadadewabo kanyoko, noma obukadadewabo kayihlo, ngokuba unqunisile isihlobo sakhe; bayakuthwala ububi babo.
[20] Uma umuntu elala nomkayisekazi, wambulile ubunqunu bukayisekazi; bayakuthwala isono sabo; bayakufa beyizimpulule.

[21] Se um homem tomar a mulher de seu irmão, imundícia é; descobriu a nudez de seu irmão; ficarão sem filhos.
[22] Guardai, pois, todos os meus estatutos e todos os meus juízos e cumpri-os, para que vos não vomite a terra para a qual vos levo para habitardes nela.
[23] Não andeis nos costumes da gente que eu lanço de diante de vós, porque fizeram todas estas coisas; por isso, me aborreci deles.
[24] Mas a vós outros vos tenho dito: em herança possuireis a sua terra, e eu vo-la darei para a possuirdes, terra que mana leite e mel. Eu sou o SENHOR, vosso Deus, que vos separei dos povos.

[25] Fareis, pois, distinção entre os animais limpos e os imundos e entre as aves imundas e as limpas; não vos façais abomináveis por causa dos animais, ou das aves, ou de tudo o que se arrasta sobre a terra, as quais coisas apartei de vós, para tê-las por imundas.

[26] Ser-me-eis santos, porque eu, o SENHOR, sou santo e separei-vos dos povos, para serdes meus.
[27] O homem ou mulher que sejam necromantes ou sejam feiticeiros serão mortos; serão apedrejados; o seu sangue cairá sobre eles.

Levítico 21

Leis para os sacerdotes

[1] Disse o SENHOR a Moisés: Fala aos sacerdotes, filhos de Arão, e dize-lhes: O

[21] Uma umuntu ethatha umkamfowabo, kungukungcola; wambulile ubunqunu bomfowabo; bayakuba yizimpulule.
[22] Ngalokho anogcina zonke izimiso zami, nazo zonke izahlulelo zami, nizenze ukuba izwe lapho nginiyisa khona ukuba nihlale kulo linganihlanzi.
[23]Aniyikuhamba ngamasiko esizwe engisixosha phambi kwenu, ngokuba benza zonke lezo zinto; ngalokho nganengwa yibo.

[24]Kepha ngishilo kini ukuthi: Niyakulidla ifa lezwe labo, ngininike lona libe ngelenu, izwe elichichima ubisi nezinyosi, ngingu Jehova onahlukanisile nabezizwe.

[25] Ngalokho anohlukanisa izilwane ezihlambulukileyo nezingcolileyo, izinyoni ezingcolileyo nezihlambulukileyo, ningenzi imiphefumulo yenu inengeke ngesilwane noma ngenyoni noma ngantoni enwabuzelayo emhlabeni, engizahlukanisile nani, ngathi zingcolile.
[26]Niyakuba ngcwele kimi, ngokuba mina Jehova ngingcwele; nginahlukanisile nabezizwe ukuba nibe ngabami.
[27] Owesilisa noma owesifazane, elikubo idlozi, noma umthakathi bobulawa nokubulawa, bakhandwe ngamatshe, igazi labo libe phezu kwabo.

ULevitikusi 21

Imithetho yabapristi

[1] UJehova wathi kuMose: Khuluma kubapristi, amadodana ka-Aroni, uthi

sacerdote não se contaminará por causa de um morto entre o seu povo,

[2] salvo por seu parente mais chegado: por sua mãe, e por seu pai, e por seu filho, e por sua filha, e por seu irmão;

[3] e também por sua irmã virgem, chegada a ele, que ainda não teve marido, pode contaminar-se.

[4] Ele, sendo homem principal entre o seu povo, não se contaminará, pois que se profanaria.

[5] Não farão calva na sua cabeça e não cortarão as extremidades da barba, nem ferirão a sua carne.

[6] Santos serão a seu Deus e não profanarão o nome do seu Deus, porque oferecem as ofertas queimadas do SENHOR, o pão de seu Deus; portanto, serão santos.

[7] Não tomarão mulher prostituta ou desonrada, nem tomarão mulher repudiada de seu marido, pois o sacerdote é santo a seu Deus.

[8] Portanto, o consagrarás, porque oferece o pão do teu Deus. Ele vos será santo, pois eu, o SENHOR que vos santifico, sou santo.

[9] Se a filha de um sacerdote se desonra, prostituindo-se, profana a seu pai; será queimada.

[10] O sumo sacerdote entre seus irmãos, sobre cuja cabeça foi derramado o óleo da unção, e que for consagrado para vestir as

kubo: Makungabikho ozingcolisayo ngofileyo phakathi kwabantu bakubo,

[2]ngaphandle kwezihlobo ezinyamanye naye, okungukuthi unina, noyise, nendodana yakhe, nendodakazi yakhe, nomfowabo,

[3]nodadewabo, intombi eseduze naye, engenandoda; angazingcolisa ngaye.

[4]Akayikuzingcolisa, eyisikhulu phakathi kwabantu bakubo, ukuze azihlambalaze.

[5] Abayikuzigega amakhanda abo, bangasiphuculi isilevu emaceleni, bangazigcabi emzimbeni.

[6]Bayakuba ngcwele kuNkulunkulu wabo, bangahlambalazi igama likaNkulunkulu wabo, ngokuba banikela ngeminikelo yomlilo kaJehova, isinkwa sikaNkulunkulu wabo; ngalokho bayakuba ngcwele.

[7] Angathathi owesifazane oyisifebe nowonakeleyo, angathathi owesifazane olahliwe yindoda yakhe, ngokuba ungcwele kuNkulunkulu wakhe.

[8]Ngalokho uyakumngcwelisa, ngokuba unikela ngesinkwa sikaNkulunkulu wakho; uyakuba ngcwele kuwe, ngokuba mina Jehova oningcwelisayo ngingcwele.

[9] Indodakazi yompristi, uma izingcolisa ngokufeba, iyamhlambalaza noyise; yoshiswa ngomlilo.

[10] Ongumpristi omkhulu phakathi kwabafowabo, kuthelwe ekhanda lakhe amafutha okugcoba, nowahlukaniselwa

vestes sagradas, não desgrenhará os cabelos, nem rasgará as suas vestes.

11 Não se chegará a cadáver algum, nem se contaminará por causa de seu pai ou de sua mãe.

12 Não sairá do santuário, nem profanará o santuário do seu Deus, pois a consagração do óleo da unção do seu Deus está sobre ele. Eu sou o SENHOR.

13 Ele tomará por mulher uma virgem.

14 Viúva, ou repudiada, ou desonrada, ou prostituta, estas não tomará, mas virgem do seu povo tomará por mulher.

15 E não profanará a sua descendência entre o seu povo, porque eu sou o SENHOR, que o santifico.

16 Disse mais o SENHOR a Moisés:

17 Fala a Arão, dizendo: Ninguém dos teus descendentes, nas suas gerações, em quem houver algum defeito se chegará para oferecer o pão do seu Deus.

18 Pois nenhum homem em quem houver defeito se chegará: como homem cego, ou coxo, ou de rosto mutilado, ou desproporcionado,

19 ou homem que tiver o pé quebrado ou mão quebrada,

20 ou corcovado, ou anão, ou que tiver belida no olho, ou sarna, ou impigens, ou que tiver testículo quebrado.

ukuba embathe izambatho, akayikuthukulula izinwele zekhanda lakhe, angaklebhuli izambatho zakhe,

11angangeni nakumuphi umuntu ofileyo, angazingcolisi ngoyise noma ngonina,

12futhi angaphumi endlini engcwele, angahlambalazi indlu engcwele kaNkulunkulu wakhe; ngokuba umqhele wamafutha okugcoba kaNkulunkulu wakhe uphezu kwakhe; nginguJehova.

13 Wothatha umfazi oseyintombi.

14Umfelokazi noma umfazi olahliweyo noma owesifazane owonakelyo, isifebe, laba akayikubathatha, kepha uyakuthatha intombi yabantu bakubo ibe ngumkakhe.

15Akayikuhlambalaza inzalo yakhe phakathi kwabantu bakhe; ngokuba nginguJehova oningcwelisayo.

16UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

17 Yisho ku-Aroni, uthi: Umuntu wenzalo yakho ezizukulwaneni zayo oyisilima makangasondeli ukunikela ngesinkwa sikaNkulunkulu wakhe.

18Ngokuba umuntu oyisilima akayikusondela: impumputhe noma unyonga, noma onekhala eliyisicaba, noma ozitho zakhe zingalingene,

19noma umuntu ononyawo olwaphukileyo, noma onesandla esaphukileyo,

20noma onesifumbu, noma oyisichwe, noma onomlanga esweni lakhe, noma onesithembuzane, noma onomuna, noma oyisilima ngamasende;

[21] Nenhum homem da descendência de Arão, o sacerdote, em quem houver algum defeito se chegará para oferecer as ofertas queimadas do SENHOR; ele tem defeito; não se chegará para oferecer o pão do seu Deus.

[22] Comerá o pão do seu Deus, tanto do santíssimo como do santo.

[23] Porém até ao véu não entrará, nem se chegará ao altar, porque tem defeito, para que não profane os meus santuários, porque eu sou o SENHOR, que os santifico.

[24] Assim falou Moisés a Arão, aos filhos deste e a todos os filhos de Israel.

Levítico 22

A lei acerca de comer coisas santas

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Dize a Arão e aos seus filhos que se abstenham das coisas sagradas, dedicadas a mim pelos filhos de Israel, para que não profanem o meu santo nome. Eu sou o SENHOR.

[3] Dize-lhes: Todo homem, que entre as vossas gerações, de toda a vossa descendência, se chegar às coisas sagradas que os filhos de Israel dedicam ao SENHOR, tendo sobre si a sua imundícia, aquela alma será eliminada de diante de mim. Eu sou o SENHOR.

[4] Ninguém da descendência de Arão que for leproso ou tiver fluxo comerá das coisas sagradas, até que seja limpo; como

[21]akungabikho muntu wenzalo ka-Aroni umpristi oyisilima oyakusondela ukunikela ngeminikelo yomlilo kaJehova; uyisilima; makangasondeli ukunikela ngesinkwa sikaNkulunkulu wakhe.

[22] Uyakudla isinkwa sikaNkulunkulu wakhe, esingcwelengcwele nesingcwele.

[23]Kuphela akayikungena kuso isihenqo, futhi angasondeli e-altare, ngokuba uyisilima, ukuze angahlambalazi izindlu zami ezingcwele, ngokuba nginguJehova obangcwelisayo.

[24]UMose wakhuluma lokho ku-Aroni, nakumadodana akhe, nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli.

ULevitikusi 22

Eminye imithetho yabapristi

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yisho ku-Aroni nakumadodana akhe ukuba bahlukane nezinto ezingcwele zabantwana bakwa-Israyeli abangingcwelisela zona, bangalihlambalazi igama lami elingcwele; nginguJehova.

[3] Yisho kubo ukuthi: Yilowo nalowo wenzalo yenu yonke ezizukulwaneni zenu osondela ezintweni ezingcwele abantwana bakwa-Israyeli abazingcwelisela uJehova, esengcolile, lowo muntu uyakunqunywa, angabikho phambi kwami; nginguJehova.

[4] Yilowo nalowo wenzalo ka-Aroni onochoko noma ocucuzayo akayikudla izinto ezingcwele aze ahlambuluke.

também o que tocar alguma coisa imunda por causa de um morto ou aquele com quem se der a emissão do sêmen;
[5] ou qualquer que tocar algum réptil, com o que se faz imundo, ou a algum homem, com o que se faz imundo, seja qual for a sua imundícia.

[6] O homem que o tocar será imundo até à tarde e não comerá das coisas sagradas sem primeiro banhar o seu corpo em água.

[7] Posto o sol, então, será limpo e, depois, comerá das coisas sagradas, porque isto é o seu pão.
[8] Do animal que morre por si mesmo ou é dilacerado não comerá, para, com isso, não contaminar-se. Eu sou o SENHOR.
[9] Guardarão, pois, a obrigação que têm para comigo, para que, por isso, não levem sobre si pecado e morram, havendo-o profanado. Eu sou o SENHOR, que os santifico.
[10] Nenhum estrangeiro comerá das coisas sagradas; o hóspede do sacerdote nem o seu jornaleiro comerão das coisas sagradas.
[11] Mas, se o sacerdote comprar algum escravo com o seu dinheiro, este comerá delas; os que nascerem na sua casa, estes comerão do seu pão.
[12] Quando a filha do sacerdote se casar com estrangeiro, ela não comerá da oferta das coisas sagradas.
[13] Mas, se a filha do sacerdote for viúva ou repudiada, e não tiver filhos, e se houver

Nalowo othinta okungcolile ngabafileyo, noma umuntu oshaywa yizibuko,

[5]nalowo othinta okunwabuzelayo angangcoliswa ngakho, noma umuntu angangcoliswa ngaye, nakuba enokungcola kuni,
[6]umuntu othinta okunjalo uyakuba ngongcolile kuze kuhlwe, angazidli izinto ezingcwele, uma engagezi umzimba wakhe ngamanzi.
[7]Selishonile ilanga uyakuba ngohlambulukile, andukuba adle izinto ezingcwele, ngokuba ziyisinkwa sakhe.
[8] Ingcuba nokudweshulwe yizilo akayikukudla ukuzingcolisa ngakho; nginguJehova.

[9] Ngalokho abogcina isiyalezo sami, funa babe nesono ngaso, bafele kuso, uma besihlambalaza, nginguJehova obangcwelisayo.

[10] Umfokazi akayikudla okungcwele; umuntu ogogobeleyo wompristi noma umqashwa angadli okungcwele.
[11]Kepha uma umpristi ethenga umuntu eyintengo yemali yakhe, yena angakudla; nabazelwe emzini wakhe bangadla isinkwa sakhe.
[12]Uma indodakazi yompristi igana umfokazi, yona mayingadli emnikelweni wokuphakanyiswa wezinto ezingcwele.
[13] Kepha uma indodakazi yompristi ingumfelokazi noma ingolahliweyo

tornado à casa de seu pai, como na sua mocidade, do pão de seu pai comerá; mas nenhum estrangeiro comerá dele.

[14] Se alguém, por ignorância, comer a coisa sagrada, ajuntar-se-lhe-á a sua quinta parte e a dará ao sacerdote com a coisa sagrada.

[15] Não profanarão as coisas sagradas que os filhos de Israel oferecem ao SENHOR,

[16] pois assim os fariam levar sobre si a culpa da iniqüidade, comendo as coisas sagradas; porque eu sou o SENHOR, que os santifico.

Os animais sacrificados devem ser sem defeito

[17] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[18] Fala a Arão, e a seus filhos, e a todos os filhos de Israel e dize-lhes: Qualquer que, da casa de Israel ou dos estrangeiros em Israel, apresentar a sua oferta, quer em cumprimento de seus votos ou como ofertas voluntárias, que apresentar ao SENHOR em holocausto,

[19] para que seja aceitável, oferecerá macho sem defeito, ou do gado, ou do rebanho de ovelhas, ou de cabras.

[20] Porém todo o que tiver defeito, esse não oferecereis; porque não seria aceito a vosso favor.

[21] Quando alguém oferecer sacrifício pacífico ao SENHOR, quer em cumprimento de voto ou como oferta voluntária, do gado ou do rebanho, o animal deve ser sem defeito para ser

ingenamntwana, bese yibuyela endlini kayise njengasebusheni bayo, iyakudla isinkwa sikayise; kepha umfokazi makangasidli.

[14] Uma umuntu edla okungcwele engazi, wothasisela okwesihlanu kwakho, amnike umpristi okungcwele.

[15]Abayikuhlambalaza izinto ezingcwele zabantwana bakwa-Israyeli abanikela ngazo kuJehova,

[16]bangabethwesi ububi obutholisa icala, lapho bedla izinto zabo ezingcwele; ngokuba nginguJehova obangcwelisayo.

Imithetho yemihlatshelo

[17]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[18] Yisho ku-Aroni, nakumadodana akhe, nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Yilowo nalowo wendlu ka-Israyeli noma umfokazi kwa-Israyeli onikela ngomnikelo wakhe, noma owesithembiso sakhe noma oweminikelo yakhe yesihle, okunikelwa ngayo kuJehova ibe ngumnikelo wokushiswa,

[19]ukuze namukeleke, wonikela ngeduna elingenasici lezinkomo, elezimvu noma elezimbuzi.

[20] Noma yintoni enesici aniyikunikela ngayo; ngokuba aniyikwamukeleka ngayo.

[21]Umuntu onikela ngomhlatshelo weminikelo yokuthula kuJehova ukugcwalisa isithembiso noma owomnikelo wesihle ezinkomeni noma

aceitável; nele, não haverá defeito nenhum.

[22] O cego, ou aleijado, ou mutilado, ou ulceroso, ou sarnoso, ou cheio de impigens, não os oferecereis ao SENHOR e deles não poreis oferta queimada ao SENHOR sobre o altar.

[23] Porém novilho ou cordeiro desproporcionados poderás oferecer por oferta voluntária, mas, por voto, não será aceito.

[24] Não oferecereis ao SENHOR animal que tiver os testículos machucados, ou moídos, ou arrancados, ou cortados; nem fareis isso na vossa terra.

[25] Também da mão do estrangeiro nenhum desses animais oferecereis como pão do vosso Deus, porque são corrompidos pelo defeito que há neles; não serão aceitos a vosso favor.

[26] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[27] Quando nascer o boi, ou cordeiro, ou cabra, sete dias estará com a mãe; do oitavo dia em diante, será aceito por oferta queimada ao SENHOR.

[28] Ou seja vaca, ou seja ovelha, não imolarás a ela e seu filho, ambos no mesmo dia.

ezimvini, umelwe ukuphelela ukuba wamukeleke, kungabi sici kuwo.

[22]Ephuphuthekayo noma eyaphukileyo noma elimeleyo noma enesilonda noma enokhwekhwe noma enomuna, ninganikeli ngazo kuJehova, futhi ninganikeli ngazo zibe ngumnikelo womlilo e-altare kuJehova.

[23]Inkunzi noma imvana enesitho esidluleleyo noma enesitho esincane, unganikela ngazo zibe ngumnikelo wesihle, kepha uma ungowesithembiso awunakwamukeleka.

[24]Aniyikunikela kuJehova ngento etheniwe ngokukhandwa noma ngokuchotshozwa noma ngokudwengulwa noma ngokunqunywa; ningenzi kanjalo ezweni lakini.

[25]Aniyikwamukela esandleni sowezizwe, ninikele ngezinjalo zibe yisinkwa sikaNkulunkulu wenu, ngokuba ukonakala kwazo kukuzo, zinobulima; aniyikwamukeleka ngazo.

[26]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[27] Nxa kuzalwa inkunzi noma imvu noma imbuzi, iyakuhlala kunina izinsuku eziyisikhombisa; kusukela osukwini lwesishiyagalombili nangasemuva iyakwamukelwa ibe ngumnikelo womlilo kuJehova.

[28] Noma kuyinkomazi noma imvukazi, aniyikuyihlaba kanye nomntwana wayo ngalusuku lunye.

[29] Quando oferecerdes sacrifício de louvores ao SENHOR, fá-lo-eis para que sejais aceitos.
[30] No mesmo dia, será comido; e, dele, nada deixareis ficar até pela manhã. Eu sou o SENHOR.
[31] Pelo que guardareis os meus mandamentos e os cumprireis. Eu sou o SENHOR.
[32] Não profanareis o meu santo nome, mas serei santificado no meio dos filhos de Israel. Eu sou o SENHOR, que vos santifico,
[33] que vos tirei da terra do Egito, para ser o vosso Deus. Eu sou o SENHOR.

Levítico 23

As festas solenes do SENHOR

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: As festas fixas do SENHOR, que proclamareis, serão santas convocações; são estas as minhas festas.

O Sábado

Êxodo 23.12

[3] Seis dias trabalhareis, mas o sétimo será o sábado do descanso solene, santa convocação; nenhuma obra fareis; é sábado do SENHOR em todas as vossas moradas.

A Páscoa

Êxodo 23.14,15; 34.18; Deuteronômio 16.1-8

[4] São estas as festas fixas do SENHOR, as santas convocações, que proclamareis no seu tempo determinado:

[29] Nxa nihlabela uJehova umhlatshelo wokubonga, niyakumhlabela ukuba namukeleke.

[30] Uyakudliwa ngalolo suku, ningashiyi lutho lwawo kuze kuse; ngingu Jehova.

[31] Ngalokho anogcina imiyalo yami, niyenze; ngingu Jehova.

[32]Ningahlambalazi igama lami elingcwele; kepha ngiyakungcweliswa phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; ngingu Jehova oningcwelisayo,
[33]owanikhipha ezweni laseGibithe, ngibe nguNkulunkulu wenu; ngingu Jehova.

ULevitikusi 23

Imithetho yemikhosi

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:
[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Imikhosi emisiweyo kaJehova eniyakuyimemezela ibe yimihlangano engcwele, yona iyimikhosi yami emisiweyo.

[3] Umsebenzi uyakwenziwa izinsuku eziyisithupha; kepha ngosuku lwesikhombisa kuyisabatha lokuphumula okuzothileyo, umhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi; kuyisabatha kuJehova ezindlini zenu zonke.

[4] Nansi imikhosi emisiweyo kaJehova, imihlangano engcwele

eniyakuyimemezela ngezikhathi zayo ezimisiweyo.

5 no mês primeiro, aos catorze do mês, no crepúsculo da tarde, é a Páscoa do SENHOR.

5 Ngenyanga yokuqala ngolweshumi nane lwenyanga kusihlwa kuyiphasika likaJehova.

6 E aos quinze dias deste mês é a Festa dos Pães Asmos do SENHOR; sete dias comereis pães asmos.

6Ngosuku lweshumi nanhlanu lwaleyo nyanga kungumkhosi wesinkwa esingenamvubelo kuJehova; niyakudla isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa.

7 No primeiro dia, tereis santa convocação; nenhuma obra servil fareis;

7Ngosuku lokuqala niyakuba nomhlangano ongcwele, ningasebenzi msebenzi.

8 mas sete dias oferecereis oferta queimada ao SENHOR; ao sétimo dia, haverá santa convocação; nenhuma obra servil fareis.

8Kepha niyakunikela ngomnikelo womlilo kuJehova izinsuku eziyisikhombisa. Ngosuku lwesikhombisa kungumhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi.

As Primícias

Êxodo 23.16; 34.22,26

9 Disse mais o SENHOR a Moisés:

9UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

10 Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: Quando entrardes na terra, que vos dou, e segardes a sua messe, então, trareis um molho das primícias da vossa messe ao sacerdote;

10 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifikile ezweni engininika lona, nivune isivuno salo, anoletha kumpristi isithungu solibo lwesivuno senu;

11 este moverá o molho perante o SENHOR, para que sejais aceitos;

11yena asizulise isithungu phambi kukaJehova ukuba samukelwe ngenxa yenu; ngakusasa emva kwesabatha umpristi uyakusizulisa.

12 no dia imediato ao sábado, o sacerdote o moverá. No dia em que moverdes o molho, oferecereis um cordeiro sem defeito, de um ano, em holocausto ao SENHOR.

12Ngalolo suku enizulisa ngalo isithungu, niyakunikela ngemvu yeduna engenasici, enomnyaka munye, ibe ngumnikelo wokushiswa kuJehova.

13 A sua oferta de manjares serão duas dízimas de um efa de flor de farinha,

13Umnikelo wawo wempuphu woba ngokweshumi okubili kwempuphu

amassada com azeite, para oferta queimada de aroma agradável ao SENHOR, e a sua libação será de vinho, a quarta parte de um him.

14 Não comereis pão, nem trigo torrado, nem espigas verdes, até ao dia em que trouxerdes a oferta ao vosso Deus; é estatuto perpétuo por vossas gerações, em todas as vossas moradas.

O Pentecostes

Deuteronômio 16.9-12

15 Contareis para vós outros desde o dia imediato ao sábado, desde o dia em que trouxerdes o molho da oferta movida; sete semanas inteiras serão.

16 Até ao dia imediato ao sétimo sábado, contareis cinqüenta dias; então, trareis nova oferta de manjares ao SENHOR.

17 Das vossas moradas trareis dois pães para serem movidos; de duas dízimas de um efa de farinha serão; levedados se cozerão; são primícias ao SENHOR.

18 Com o pão oferecereis sete cordeiros sem defeito de um ano, e um novilho, e dois carneiros; holocausto serão ao SENHOR, com a sua oferta de manjares e as suas libações, por oferta queimada de aroma agradável ao SENHOR.

19 Também oferecereis um bode, para oferta pelo pecado, e dois cordeiros de um ano, por oferta pacífica.

ecolekileyo, exovwe namafutha, umnikelo womlilo kuJehova, ube yiphunga elimnandi, nomnikelo wawo wokuphuzwa woba ngokwesine kwehini lewayini.

14Aniyikudla isinkwa notshwele nezikhwebu ezintsha, kuze kufike lolo suku, ningakalethi umnikelo kaNkulunkulu wenu; kuyisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke.

15 Anozibalela kusukela kolwangakusasa emva kwesabatha, ngosuku enaletha ngalo isithungu somnikelo wokuzuliswa, kuze kube ngamasabatha ayisikhombisa apheleleyo;

16kuze kufike olwangakusasa emva kwesabatha lesikhombisa anobala izinsuku ezingamashumi ayisihlanu, ninikele ngomnikelo omusha wempuphu kuJehova.

17Maniphume ezindlini zenu nezinkwa ezimbili zokuzuliswa zokweshumi okubili kwempuphu ecolekileyo, ziphekwe nemvubelo, zibe lulibo kuJehova.

18Kanye nesinkwa niyakunikela ngezimvu eziyisikhombisa ezingenasici zinomnyaka munye, neduna nezinqama ezimbili, zibe ngumnikelo wokushiswa kuJehova kanye nomnikelo wazo wempuphu neminikelo yazo yokuphuzwa, umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova.

19Niyakunikela ngempongo ibe ngumnikelo wesono, nezimvu ezimbili

zamaduna ezinomnyaka munye, zibe ngumhlatshelo weminikelo yokuthula.

[20] Então, o sacerdote os moverá, com o pão das primícias, por oferta movida perante o SENHOR, com os dois cordeiros; santos serão ao SENHOR, para o uso do sacerdote.

[20]Umpristi uyakuzizulisa kanye nesinkwa solibo zibe ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova kanye nezimvu ezimbili; ziyakuba ngcwele kuJehova, zibe ngezompristi.

[21] No mesmo dia, se proclamará que tereis santa convocação; nenhuma obra servil fareis; é estatuto perpétuo em todas as vossas moradas, pelas vossas gerações.

[21]Niyakumemezela ngalolo suku, nibe nomhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi; kuyisimiso esiphakade ezindlini zenu zonke ezizukulwaneni zenu.

[22] Quando segardes a messe da vossa terra, não rebuscareis os cantos do vosso campo, nem colhereis as espigas caídas da vossa sega; para o pobre e para o estrangeiro as deixareis. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[22] Nxa nivuna isivuno sezwe lakini, awuyikuvuna ngokupheleleyo emagumbini ensimu yakho, ungakhothozi umkhothozo wesivuno sakho; uwushiyele abampofu nabafokazi; nginguJehova uNkulunkulu wakho.

[23] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[23]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[24] Fala aos filhos de Israel, dizendo: No mês sétimo, ao primeiro do mês, tereis descanso solene, memorial, com sonidos de trombetas, santa convocação.

[24] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Ngenyanga yesikhombisa ngolokuqala lwenyanga anoba nokuphumula okuzothileyo, isikhumbuzo ngokushaya amacilongo, umhlangano ongcwele.

[25] Nenhuma obra servil fareis, mas trareis oferta queimada ao SENHOR.

[25]Ningasebenzi msebenzi, ninikele ngomnikelo womlilo kuJehova.

O Dia da Expiação

[26] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[26]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[27] Mas, aos dez deste mês sétimo, será o Dia da Expiação; tereis santa convocação e afligireis a vossa alma; trareis oferta queimada ao SENHOR.

[27] Kepha ngolweshumi lwaleyo nyanga yesikhombisa kulusuku lokubuyisana; anoba nomhlangano ongcwele, nithobise imiphefumulo yenu, ninikele ngomnikelo womlilo kuJehova.

[28] Nesse mesmo dia, nenhuma obra fareis, porque é o Dia da Expiação, para fazer expiação por vós perante o SENHOR, vosso Deus.

[28]Ningasebenzi msebenzi ngalolo suku, ngokuba kulusuku lokubuyisana ukunenzela ukubuyisana phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu.

[29] Porque toda alma que, nesse dia, se não afligir será eliminada do seu povo.

[30] Quem, nesse dia, fizer alguma obra, a esse eu destruirei do meio do seu povo.

[31] Nenhuma obra fareis; é estatuto perpétuo pelas vossas gerações, em todas as vossas moradas.

[32] Sábado de descanso solene vos será; então, afligireis a vossa alma; aos nove do mês, de uma tarde a outra tarde, celebrareis o vosso sábado.

A Festa dos Tabernáculos

[33] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[34] Fala aos filhos de Israel, dizendo: Aos quinze dias deste mês sétimo, será a Festa dos Tabernáculos ao SENHOR, por sete dias.

[35] Ao primeiro dia, haverá santa convocação; nenhuma obra servil fareis.

[36] Sete dias oferecereis ofertas queimadas ao SENHOR; ao dia oitavo, tereis santa convocação e oferecereis ofertas queimadas ao SENHOR; é reunião solene, nenhuma obra servil fareis.

[37] São estas as festas fixas do SENHOR, que proclamareis para santas convocações, para oferecer ao SENHOR oferta queimada, holocausto e oferta de

[29]Ngokuba yilowo nalowo muntu ongathotshiswa ngalolo suku uyakunqunywa kubantu bakubo.

[30]Yilowo nalowo muntu owenza umsebenzi othile ngalolo suku, lowo muntu ngiyakumbhubhisa, angabikho kubantu bakubo.

[31]Ningasebenzi msebenzi; kuyisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke.

[32]Kuyakuba yisabatha lokuphumula okuzothileyo kini, nithobise imiphefumulo yenu; ngolwesishiyagalolunye lwenyanga kusihlwa, kusukela kusihlwa kuze kube kusihlwa, anogcina isabatha lenu.

[33]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[34] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Ngosuku lweshumi nanhlanu lwaleyo nyanga yesikhombisa kungumkhosi wamadokodo izinsuku eziyisikhombisa kuJehova.

[35]Ngosuku lokuqala kuyakuba ngumhlangano ongcwele, ningasebenzi msebenzi.

[36]Izinsuku eziyisikhombisa niyakunikela ngomnikelo womlilo kuJehova; ngosuku lwesishiyagalombili nibe nomhlangano ozothileyo, ninikele ngomnikelo womlilo kuJehova; kungumhlangano wokugcina; ningasebenzi msebenzi.

[37] Le iyimikhosi emisiweyo kaJehova eniyakuyimemezela ibe yimihlangano engcwele ukunikela ngomnikelo womlilo kuJehova, umnikelo wokushiswa

manjares, sacrifício e libações, cada qual em seu dia próprio,

nomnikelo wempuphu, umhlatshelo neminikelo yokuphuzwa, kube yilowo nalowo ngosuku lwawo,

[38] além dos sábados do SENHOR, e das vossas dádivas, e de todos os vossos votos, e de todas as vossas ofertas voluntárias que dareis ao SENHOR.

[38]ngaphandle kwamasabatha kaJehova, nangaphandle kwezipho zenu, nangaphandle kwezithembiso zenu zonke, nangaphandle kweminikelo yenu yonke yesihle eninikela ngayo kuJehova.

[39] Porém, aos quinze dias do mês sétimo, quando tiverdes recolhido os produtos da terra, celebrareis a festa do SENHOR, por sete dias; ao primeiro dia e também ao oitavo, haverá descanso solene.

[39] Kepha ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yesikhombisa, lapho senibuthile izithelo zezwe, anogcina umkhosi kaJehova izinsuku eziyisikhombisa; ngosuku lokuqala makube ngukuphumula okuzothileyo, nangosuku lwesishiyagalombili kube ngukuphumula okuzothileyo.

[40] No primeiro dia, tomareis para vós outros frutos de árvores formosas, ramos de palmeiras, ramos de árvores frondosas e salgueiros de ribeiras; e, por sete dias, vos alegrareis perante o SENHOR, vosso Deus.

[40]Ngosuku lokuqala anothabatha izithelo zemithi emihle, namagatsha amasundu, nezingatsha zemithi edumbileyo, neminyezane yemifula, nethabe phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu izinsuku eziyisikhombisa.

[41] Celebrareis esta como festa ao SENHOR, por sete dias cada ano; é estatuto perpétuo pelas vossas gerações; no mês sétimo, a celebrareis.

[41]Niyakuwugcina ube ngumkhosi kuJehova izinsuku eziyisikhombisa ngomnyaka; kuyisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu; niwugcine ngenyanga yesikhombisa.

[42] Sete dias habitareis em tendas de ramos; todos os naturais de Israel habitarão em tendas,

[42]Niyakuhlala emadokodweni izinsuku eziyisikhombisa, bonke abangabokuzalwa kwa-Israyeli bahlale emadokodweni,

[43] para que saibam as vossas gerações que eu fiz habitar os filhos de Israel em tendas, quando os tirei da terra do Egito. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[43]ukuze izizukulwane zenu zazi ukuthi ngabahlalisa abantwana bakwa-Israyeli emadokodweni ekubakhipheni kwami ezweni laseGibithe, nginguJehova uNkulunkulu wenu.

[44] Assim, declarou Moisés as festas fixas do SENHOR aos filhos de Israel.

[44]UMose wabatshela-ke abantwana bakwa-Israyeli imikhosi emisiweyo kaJehova.

Levítico 24

O azeite para o candelabro

Êxodo 27.20,21

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Ordena aos filhos de Israel que te tragam azeite puro de oliveira, batido, para o candelabro, para que haja lâmpada acesa continuamente.

[3] Na tenda da congregação fora do véu, que está diante do Testemunho, Arão a conservará em ordem, desde a tarde até pela manhã, de contínuo, perante o SENHOR; estatuto perpétuo será este pelas suas gerações.

[4] Sobre o candeeiro de ouro puro conservará em ordem as lâmpadas perante o SENHOR, continuamente.

O pão para a mesa do SENHOR

[5] Também tomarás da flor de farinha e dela cozerás doze pães, cada um dos quais será de duas dízimas de um efa.

[6] E os porás em duas fileiras, seis em cada fileira, sobre a mesa de ouro puro, perante o SENHOR.

[7] Sobre cada fileira porás incenso puro, que será, para o pão, como porção memorial; é oferta queimada ao SENHOR.

[8] Em cada sábado, Arão os porá em ordem perante o SENHOR, continuamente, da parte dos filhos de Israel, por aliança perpétua.

ULevitikusi 24

Imithetho yothi lwezibani

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yala abantwana bakwa-Israyeli ukuba balethe kuwe amafutha eminqumo acwengekileyo agxotshelwe ukukhanyisa, ukuba izibani zivuthe njalonjalo.

[3]Ngaphandle kwesihenqo sobufakazi etendeni lokuhlangana u-Aroni uyakuzilungisa njalo phambi kukaJehova, aqale kusihlwa kuze kuse; kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu,

[4]alungise njalo izibani othini olucwengekileyo phambi kukaJehova.

Imithetho yezinkwa zokubukwa

[5] Wothabatha impuphu ecolekileyo, upheke ngayo amaqebelengwane ayishumi nambili, iqebelengwane linye libe nokweshumi okubili.

[6]Wowabeka izinqwaba ezimbili, ayisithupha abe senqwabeni inye etafuleni elicwengekileyo phambi kukaJehova.

[7]Uyakubeka inhlaka ecwengekileyo ezinqwabeni zombili, ibe yisikhumbuzo esinkweni nomnikelo womlilo kuJehova.

[8]Amasabatha ngamasabatha uyakuzihlela phambi kukaJehova njalo; kungenxa yabantwana bakwa-Israyeli, kuyisivumelwano esiphakade.

[9] E serão de Arão e de seus filhos, os quais os comerão no lugar santo, porque são coisa santíssima para eles, das ofertas queimadas ao SENHOR, como estatuto perpétuo.

A pena do pecado de blasfêmia

[10] Apareceu entre os filhos de Israel o filho de uma israelita, o qual era filho de um egípcio; o filho da israelita e certo homem israelita contenderam no arraial.

[11] Então, o filho da mulher israelita blasfemou o nome do SENHOR e o amaldiçoou, pelo que o trouxeram a Moisés. O nome de sua mãe era Selomite, filha de Dibri, da tribo de Dã.

[12] E o levaram à prisão, até que se lhes fizesse declaração pela boca do SENHOR.

[13] Disse o SENHOR a Moisés:

[14] Tira o que blasfemou para fora do arraial; e todos os que o ouviram porão as mãos sobre a cabeça dele, e toda a congregação o apedrejará.

[15] Dirás aos filhos de Israel: Qualquer que amaldiçoar o seu Deus levará sobre si o seu pecado.

[16] Aquele que blasfemar o nome do SENHOR será morto; toda a congregação o apedrejará; tanto o estrangeiro como o natural, blasfemando o nome do SENHOR, será morto.

[9]Ziyakuba ngezika-Aroni nezamadodana akhe, bazidlele endaweni engcwele, ngokuba zingcwelengcwele, zingezakhe phakathi kweminikelo yomlilo kaJehova ngesimiso esiphakade.

Isijeziso sohlambalaza uNkulunkulu

[10]Indodana yowesifazane wakwa-Israyeli, uyise wayo engowaseGibithe, yaphuma yaya phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; indodana yowesifazane wakwa-Israyeli nomuntu wakwa-Israyeli baxabana ekamu;

[11]indodana yowesifazane wakwa-Israyeli yahlambalaza iGama, yathuka; yalethwa kuMose. Igama likanina lalinguShelomiti indodakazi kaDibiri, owesizwe sakwaDani.

[12]Bayifaka etilongweni ukuba batshelwe ngomlomo kaJehova.

[13]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[14] Mkhiphele ngaphandle kwekamu lowo othukile; bonke abamuzwa mababeke izandla zabo ekhanda lakhe, inhlangano yonke imkhande ngamatshe.

[15]Uyakukhuluma kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Yilowo nalowo oqalekisa uNkulunkulu wakhe uyakuthwala isono sakhe.

[16] Ohlambalaza igama likaJehova wobulawa nokubulawa, yonke inhlangano imkhande nokumkhanda ngamatshe; umfokazi noma owokuzalwa ekhaya, nxa ehlambalaza igama likaJehova, wobulawa.

Imithetho yezijeziso

[17] Quem matar alguém será morto.

[18] Mas quem matar um animal o restituirá: igual por igual.

[19] Se alguém causar defeito em seu próximo, como ele fez, assim lhe será feito:

[20] fratura por fratura, olho por olho, dente por dente; como ele tiver desfigurado a algum homem, assim se lhe fará.

[21] Quem matar um animal restituirá outro; quem matar um homem será morto.

[22] Uma e a mesma lei havereis, tanto para o estrangeiro como para o natural; pois eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[23] Então, falou Moisés aos filhos de Israel que levassem o que tinha blasfemado para fora do arraial e o apedrejassem; e os filhos de Israel fizeram como o SENHOR ordenara a Moisés.

[17] Oshaya umuntu aze afe wobulawa nokubulawa.

[18]Oshaya inkomo ize ife uyakuyikhokha, kube ngukuphila ngokuphila.

[19] Uma umuntu elimaza umakhelwane wakhe, njengalokho enzile yena kuyakwenziwa kanjalo kuye,

[20] kube ngukwaphuka ngokwaphuka, neso ngeso, nezinyo ngezinyo; njengalokho elimazile umuntu, kanjalo kuyakwenziwa kuye.

[21]Obulala inkomo woyikhokha; obulala umuntu wobulawa.

[22]Niyakuba nomthetho munye kumfokazi nakowokuzalwa ekhaya; ngokuba ngiṅguJehova uNkulunkulu wenu.

[23]UMose wakhuluma-ke kubantwana bakwa-Israyeli; bamkhiphela othukileyo ngaphandle kwekamu, bamkhanda ngamatshe. Abantwana bakwa-Israyeli benza njengalokho uJehova emyalile uMose.

Levítico 25

O Ano de Descanso
Êxodo 23.10,11

[1] Disse o SENHOR a Moisés, no monte Sinai:

[2] Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: Quando entrardes na terra, que vos dou, então, a terra guardará um sábado ao SENHOR.

[3] Seis anos semearás o teu campo, e seis anos podarás a tua vinha, e colherás os seus frutos.

ULevitikusi 25

Umnyaka wesabatha nowejubili*

[1]UJehova wakhuluma kuMose entabeni yaseSinayi, wathi:

[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifika ezweni enginika lona, izwe liyakumgcinela uJehova isabatha.

[3]Iminyaka eyisithupha uyakulima insimu yakho, iminyaka eyisithupha uyakuthena isivini sakho, ubuthe izithelo zaso,

[4] Porém, no sétimo ano, haverá sábado de descanso solene para a terra, um sábado ao SENHOR; não semearás o teu campo, nem podarás a tua vinha.

[5] O que nascer de si mesmo na tua seara não segarás e as uvas da tua vinha não podada não colherás; ano de descanso solene será para a terra.

[6] Mas os frutos da terra em descanso vos serão por alimento, a ti, e ao teu servo, e à tua serva, e ao teu jornaleiro, e ao estrangeiro que peregrina contigo;

[7] e ao teu gado, e aos animais que estão na tua terra, todo o seu produto será por mantimento.

O Ano do Jubileu

[8] Contarás sete semanas de anos, sete vezes sete anos, de maneira que os dias das sete semanas de anos te serão quarenta e nove anos.

[9] Então, no mês sétimo, aos dez do mês, farás passar a trombeta vibrante; no Dia da Expiação, fareis passar a trombeta por toda a vossa terra.

[10] Santificareis o ano qüinquagésimo e proclamareis liberdade na terra a todos os seus moradores; ano de jubileu vos será, e tornareis, cada um à sua possessão, e cada um à sua família.

[4]kepha ngomnyaka wesikhombisa kuyakuba khona isabatha lokuphumula okuzothileyo kwezwe, isabatha kuye uJehova; awuyikulima insimu yakho, ungatheni isivini sakho.

[5]Amakhikhizela esivuno sakho awuyikuwavuna, nezithelo zomvini wakho ongatheniwe awuyikuzikha; kuyakuba ngumnyaka wokuphumula okuzothileyo kwezwe.

[6]Isabatha lezwe liyakuba ngukudla kwenu, okwakho nokwenceku yakho nokwencekukazi yakho nokomqashwa wakho nokomfokazi wakho ogogobeleyo kuwe;

[7]nakuzo izinkomo zakho nezilwane ezisezweni konke ukuthela kwalo kuyakuba ngukudla.

[8] Uyakuzibalela amasabatha ayisikhombisa eminyaka, iminyaka eyisikhombisa iphindwe kasikhombisa, kube kuwe izinsuku zamasabatha ayisikhombisa eminyaka, kube yiminyaka engamashumi amane nesishiyagalolunye.

[9] Uyakuthuma izwi lecilongo elizwakala kakhulu ngolweshumi lwenyanga yesikhombisa; ngosuku lokubuyisana niyakuthuma izwi lecilongo ezweni lonke lakini.

[10] Niyakuwungcwelisa umnyaka wamashumi ayisihlanu, nimemezele inkululeko ezweni lonke kubo bonke abakhileyo kulo; kuyakuba yijubili kini, nibuyele, kube yilowo nalowo efeni lakhe,

nibuyele, kube yilowo nalowo kwabomndeni wakhe.

[11] O ano qüinquagésimo vos será jubileu; não semeareis, nem segareis o que nele nascer de si mesmo, nem nele colhereis as uvas das vinhas não podadas.

[11]Lo mnyaka wamashumi ayisihlanu uyakuba yijubili kini; aniyikulima, ningavuni amakhikhizela awo, ningakhi ngawo ezomvini ongatheniwe.

[12] Porque é jubileu, santo será para vós outros; o produto do campo comereis.

[12]Ngokuba uyijubili; uyakuba ngcwele kini, nidle izithelo zawo zasensimini.

[13] Neste Ano do Jubileu, tornareis cada um à sua possessão.

[13] Ngalowo mnyaka wejubili niyakubuyela, kube yilowo nalowo efeni lakhe.

[14] Quando venderes alguma coisa ao teu próximo ou a comprares da mão do teu próximo, não oprimas teu irmão.

[14] Uma uthengisa ngotho kumakhelwane wakho noma uthenga esandleni somakhelwane wakho, ningadlani;

[15] Segundo o número dos anos desde o Jubileu, comprarás de teu próximo; e, segundo o número dos anos das messes, ele venderá a ti.

[15]njengenani leminyaka esemva kwejubili uyakuthenga kumakhelwane wakho nanjengenani leminyaka yezithelo uyakuthengisa kuwe.

[16] Sendo muitos os anos, aumentarás o preço e, sendo poucos, abaixarás o preço; porque ele te vende o número das messes.

[16]Ngobuningi beminyaka uyakwandisa intengo yalo nangobuncane beminyaka uyakunciphisa intengo yalo; ngokuba uthengisa kuwe ngenani lezithelo.

[17] Não oprimais ao vosso próximo; cada um, porém, tema a seu Deus; porque eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[17]Aniyikudlana, kepha uyakwesaba uNkulunkulu wakho, ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wakho.

[18] Observai os meus estatutos, guardai os meus juízos e cumpri-os; assim, habitareis seguros na terra.

[18] Ngalokho anozenza izimiso zami, nigcine izahlulelo zami, nizenze, nihlale ezweni nilondekile.

[19] A terra dará o seu fruto, e comereis a fartar e nela habitareis seguros.

[19]Izwe liyakuthela izithelo zalo, nidle nisuthe, nihlale kulo nilondekile.

[20] Se disserdes: Que comeremos no ano sétimo, visto que não havemos de semear, nem colher a nossa messe?

[20]Uma nisho ukuthi: Siyakudlani ngomnyaka wesikhombisa? Bheka, asiyikulima, asiyikubutha ukudla kwethu,

[21] Então, eu vos darei a minha bênção no sexto ano, para que dê fruto por três anos.

[21]khona ngiyakuyala isibusiso sami sehlele phezu kwenu ngomnyaka

wesithupha, uze uthele ukudla kweminyaka emithathu.

[22] No oitavo ano, semeareis e comereis da colheita anterior até ao ano nono; até que venha a sua messe, comereis da antiga.

[22]Niyakulima ngomnyaka wesishiyagalombili, nidle izithelo zikanyasa; uze ufike umnyaka wesishiyagalolunye, kungene izithelo zawo, niyakudla unyasa.

[23] Também a terra não se venderá em perpetuidade, porque a terra é minha; pois vós sois para mim estrangeiros e peregrinos.

[23] Akuyikuthengiswa ngezwe kuze kube phakade, ngokuba izwe lingelami, nina-ke ningabafokazi nabagogobeleyo kimi.

[24] Portanto, em toda a terra da vossa possessão dareis resgate à terra.

[24]Ezweni lonke lefa lenu niyakuvuma ukuhlengwa kwezwe.

[25] Se teu irmão empobrecer e vender alguma parte das suas possessões, então, virá o seu resgatador, seu parente, e resgatará o que seu irmão vendeu.

[25] Uma umfowenu eba mpofu, athengise ngefa lakhe, kuyakufika isihlobo sakhe, sihlenge lona umfowabo athengisile ngalo.

[26] Se alguém não tiver resgatador, porém vier a tornar-se próspero e achar o bastante com que a remir,

[26]Uma umuntu engenaye ongalihlenga, kodwa ebeseba ngocebileyo, athole okwanele ukulihlenga,

[27] então, contará os anos desde a sua venda, e o que ficar restituirá ao homem a quem vendeu, e tornará à sua possessão.

[27]makabale iminyaka selokhu kwathengiswa ngalo, abuyisele okudluleleyo kulowo muntu athengisa kuye ngalo, aze abuyele efeni lakhe.

[28] Mas, se as suas posses não lhe permitirem reavê-la, então, a que for vendida ficará na mão do comprador até ao Ano do Jubileu; porém, no Ano do Jubileu, sairá do poder deste, e aquele tornará à sua possessão.

[28]Uma engatholi amandla okuzibuyiselela lona, lelo athengise ngalo liyakusala esandleni solithengileyo, uze ufike umnyaka wejubili; ngejubili liyakuphuma, yena abuyele efeni lakhe.

[29] Quando alguém vender uma casa de moradia em cidade murada, poderá resgatá-la dentro de um ano a contar de sua venda; durante um ano, será lícito o seu resgate.

[29] Uma umuntu ethengisa ngendlu yokuhlala emzini onogange, angayihlenga ungakapheli umnyaka selokhu wathengisa ngayo, ngokuba umnyaka wonke uyakuba nelungelo lokuyihlenga.

[30] Se, passando-se-lhe um ano, não for resgatada, então, a casa que estiver na cidade que tem muro ficará em perpetuidade ao que a comprou, pelas suas gerações; não sairá do poder dele no Jubileu.

[31] Mas as casas das aldeias que não têm muro em roda serão estimadas como os campos da terra; para elas haverá resgate, e sairão do poder do comprador no Jubileu.

[32] Mas, com respeito às cidades dos levitas, às casas das cidades da sua possessão, terão direito perpétuo de resgate os levitas.

[33] Se o levita não resgatar a casa que vendeu, então, a casa comprada na cidade da sua possessão sairá do poder do comprador, no Jubileu; porque as casas das cidades dos levitas são a sua possessão no meio dos filhos de Israel.

[34] Mas o campo no arrabalde das suas cidades não se venderá, porque lhes é possessão perpétua.

Leis a favor dos pobres

Deuteronômio 15.7-11

[35] Se teu irmão empobrecer, e as suas forças decaírem, então, sustentá-lo-ás. Como estrangeiro e peregrino ele viverá contigo.

[36] Não receberás dele juros nem ganho; teme, porém, ao teu Deus, para que teu irmão viva contigo.

[37] Não lhe darás teu dinheiro com juros, nem lhe darás o teu mantimento por causa de lucro.

[30]Uma ingahlengwanga umnyaka usuphelile, leyo ndlu esemzini onogange iyakuqiniswa ibe ngeyakhe owayithenga kuze kube phakade ezizukulwaneni zakhe; ayiyikuphuma ngejubili.

[31]Kepha izindlu zemizana engenalugange nxazonke ziyakubalwa kanye namasimu asemaphandleni; zingahlengwa, ziphume ngejubili.

[32] Kodwa imizi yamaLevi, izindlu zemizi yefa lawo amaLevi angazihlenga noma nini.

[33]Uma umLevi engahlengi, indlu okwathengiswa ngayo nomuzi wefa lakhe kuyakuphuma ngejubili, ngokuba izindlu zemizi yamaLevi ziyifa lawo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[34] Izwe lamadlelo emizi yawo akunakuthengiswa ngalo, ngokuba liyifa lawo kuze kube phakade.

[35] Uma umfowenu eba mpofu, engenamandla okukukhokhela, uyakumsekela, ahlale nawe njengomfokazi nogogobeleyo.

[36]Ungathathi kuye inzalo engafanele nenzuzo, kepha wesabe uNkulunkulu wakho, ukuze umfowenu ahlale nawe.

[37]Awuyikumnika imali yakho ngenzalo, ungamuphi ukudla kwakho ngenzuzo.

[38] Eu sou o SENHOR, vosso Deus, que vos tirei da terra do Egito, para vos dar a terra de Canaã e para ser o vosso Deus.

[38]NginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe ukuninika izwe laseKhanani, ngibe nguNkulunkulu wenu.

Leis a favor dos escravos

[39] Também se teu irmão empobrecer, estando ele contigo, e vender-se a ti, não o farás servir como escravo.

[39] Uma umfowenu eba mpofu ekuwe, azithengise kuwe, awuyikumsebenzisa njengesigqila,

[40] Como jornaleiro e peregrino estará contigo; até ao Ano do Jubileu te servirá;

[40] kepha abe njengomqashwa nogogobeleyo kuwe; uyakusebenza kuwe kuze kufike umnyaka wejubili,

[41] então, sairá de tua casa, ele e seus filhos com ele, e tornará à sua família e à possessão de seus pais.

[41]andukuba aphume kuwe, yena nabantwana bakhe kanye naye, abuyele kwabomndeni wakhe, abuyele nasefeni lawoyise.

[42] Porque são meus servos, que tirei da terra do Egito; não serão vendidos como escravos.

[42]Ngokuba bayizinceku zami engazikhipha ezweni laseGibithe; akuyikuthengiswa ngazo zibe yizigqila.

[43] Não te assenhorearás dele com tirania; teme, porém, ao teu Deus.

[43] Awuyikubusa kalukhuni phezu kwakhe, kepha wesabe uNkulunkulu wakho.

[44] Quanto aos escravos ou escravas que tiverdes, virão das nações ao vosso derredor; delas comprareis escravos e escravas.

[44] Izigqila zakho nezigqilakazi zakho oyakuba nazo: niyakuzithenga izigqila nezigqilakazi kwabezizwe abanizungezayo.

[45] Também os comprareis dos filhos dos forasteiros que peregrinam entre vós, deles e das suas famílias que estiverem convosco, que nasceram na vossa terra; e vos serão por possessão.

[45]Futhi kubantwana babafokazi abagogobeleyo kini, kubona niyakuthenga nakwabomndeni wabo abakini ababazalile ezweni lakini, babe yifa lenu.

[46] Deixá-los-eis por herança para vossos filhos depois de vós, para os haverem como possessão; perpetuamente os fareis servir, mas sobre vossos irmãos, os filhos de Israel, não vos assenhoreareis com tirania, um sobre os outros.

[46]Niyakubenza ifa labantwana benu emva kwenu ukuba babe yifa labo; niyakuthatha kubo izigqila zenu kuze kube phakade; kepha aniyikubusa kalukhuni phezu kwabafowenu, abantwana bakwa-Israyeli, omunye phezu komunye.

[47] Quando o estrangeiro ou peregrino que está contigo se tornar rico, e teu irmão junto dele empobrecer e vender-se ao estrangeiro, ou peregrino que está contigo, ou a alguém da família do estrangeiro,

[48] depois de haver-se vendido, haverá ainda resgate para ele; um de seus irmãos poderá resgatá-lo:

[49] seu tio ou primo o resgatará; ou um dos seus, parente da sua família, o resgatará; ou, se lograr meios, se resgatará a si mesmo.

[50] Com aquele que o comprou acertará contas desde o ano em que se vendeu a ele até ao Ano do Jubileu; o preço da sua venda será segundo o número dos anos, conforme se paga a um jornaleiro.

[51] Se ainda faltarem muitos anos, devolverá proporcionalmente a eles, do dinheiro pelo qual foi comprado, o preço do seu resgate.

[52] Se restarem poucos anos até ao Ano do Jubileu, então, fará contas com ele e pagará, em proporção aos anos restantes, o preço do seu resgate.

[53] Como jornaleiro, de ano em ano, estará com ele; não se assenhoreará dele com tirania à tua vista.

[54] Se desta sorte se não resgatar, sairá no Ano do Jubileu, ele e seus filhos com ele.

[47] Uma umfokazi noma ogogobeleyo kuwe eba ngocebileyo, umfowenu abe mpofu kuye, azithengise kumfokazi noma kogogobeleyo kuwe noma kowohlanga lwabomndeni wabafokazi,

[48]angahlengwa nxa sekuthengisiwe ngaye; omunye wabafowabo angamhlenga;

[49]noma uyisekazi noma indodana kayisekazi angamhlenga; noma omunye owakubo owabomndeni wakhe angamhlenga; noma eba ngocebileyo, angazihlenga yena.

[50]Uyakubalisana nalowo owamthengayo, aqale ngomnyaka owazithengisa kuye ngawo, kuze kube ngumnyaka wejubili; imali yentengiso iyakuba njengenani leminyaka; uyakuba naye njengesikhathi somqashwa.

[51]Uma isasele iminyaka eminingi, njengayo uyakubuyisa intengo yokuhlengwa kwakhe emalini athengwa ngayo.

[52]Uma isasele iminyaka eyingcosana kuze kufike umnyaka wejubili, uyakubalisana naye; njengeminyaka yakhe uyakubuyisa imali yokuhlengwa kwakhe.

[53]Njengenceku eqashwa iminyaka ngeminyaka uyakuba naye; akayikubusa kalukhuni phezu kwakhe emehlweni akho.

[54] Uma engahlengwanga ngalezo zindlela, uyakuphuma ngomnyaka wejubili, yena nabantwana bakhe kanye naye.

[55] Porque os filhos de Israel me são servos; meus servos são eles, os quais tirei da terra do Egito. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

Levítico 26

Admoestação contra a idolatria

[1] Não fareis para vós outros ídolos, nem vos levantareis imagem de escultura nem coluna, nem poreis pedra com figuras na vossa terra, para vos inclinardes a ela; porque eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[2] Guardareis os meus sábados e reverenciareis o meu santuário. Eu sou o SENHOR.

Bênçãos decorrentes da obediência

Deuteronômio 7.12-24; 28.1-14

[3] Se andardes nos meus estatutos, guardardes os meus mandamentos e os cumprirdes,

[4] então, eu vos darei as vossas chuvas a seu tempo; e a terra dará a sua messe, e a árvore do campo, o seu fruto.

[5] A debulha se estenderá até à vindima, e a vindima, até à sementeira; comereis o vosso pão a fartar e habitareis seguros na vossa terra.

[6] Estabelecerei paz na terra; deitar-vos-eis, e não haverá quem vos espante; farei cessar os animais nocivos da terra, e pela vossa terra não passará espada.

[7] Perseguireis os vossos inimigos, e cairão à espada diante de vós.

[8] Cinco de vós perseguirão a cem, e cem dentre vós perseguirão a dez mil; e os

[55]Ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bayizinceku kimi; bayizinceku zami engazikhipha ezweni laseGibithe; ngingu Jehova uNkulunkulu wenu.

ULevitikusi 26

Isixwayiso ngokukhonza izithixo

[1] Ningenzi izithombe, ningamisi izithombe ezibaziweyo noma insika; ningabeki itshe elinemifanekiso ezweni lakini ukukhothamela kulo; ngokuba ngingu Jehova uNkulunkulu wenu.

[2] Anogcina amasabatha ami, nihloniphe indlu yami engcwele; ngingu Jehova.

Izithembiso kwabagcina umthetho

[3] Uma nihamba ngezimiso zami, nigcine imiyalo yami, niyenze,

[4]ngiyakuninika imvula ngesikhathi sayo, izwe lithele ukudla kwalo, imithi yasendle ithele izithelo zayo.

[5]Ukubhula kwenu kuyakufinyelela ekuvunweni kwemivini, ukuvunwa kwemivini kuyakufinyelela esikhathini sokulima; niyakudla isinkwa senu, nisuthe, nihlale ezweni lakini nilondekile.

[6] Ngiyakunika ukuthula ezweni, nilale phansi ningesatshiswa muntu; ngiyakuqothula izilwane ezimbi ezweni, nenkemba ayiyikudabula ezweni lakini.

[7]Niyakuxosha izitha zenu, ziwe phambi kwenu ngenkemba.

[8]Abayisihlanu kini bayakuxosha abayikhulu, nabayikhulu kini bayakuxosha izinkulungwane eziyishumi,

vossos inimigos cairão à espada diante de vós.

[9] Para vós outros olharei, e vos farei fecundos, e vos multiplicarei, e confirmarei a minha aliança convosco.

[10] Comereis o velho da colheita anterior e, para dar lugar ao novo, tirareis fora o velho.

[11] Porei o meu tabernáculo no meio de vós, e a minha alma não vos aborrecerá.

[12] Andarei entre vós e serei o vosso Deus, e vós sereis o meu povo.

[13] Eu sou o SENHOR, vosso Deus, que vos tirei da terra do Egito, para que não fôsseis seus escravos; quebrei os timões do vosso jugo e vos fiz andar eretos.

Os castigos da desobediência

Deuteronômio 28.15-68

[14] Mas, se me não ouvirdes e não cumprirdes todos estes mandamentos;

[15] se rejeitardes os meus estatutos, e a vossa alma se aborrecer dos meus juízos, a ponto de não cumprir todos os meus mandamentos, e violardes a minha aliança,

[16] então, eu vos farei isto: porei sobre vós terror, a tísica e a febre ardente, que fazem desaparecer o lustre dos olhos e definhar a vida; e semeareis debalde a vossa semente, porque os vossos inimigos a comerão.

[17] Voltar-me-ei contra vós outros, e sereis feridos diante de vossos inimigos; os que

izitha zenu ziwe phambi kwenu ngenkemba.

[9] Ngiyakuninaka, nginenze ukuba nizale, nande, ngimise isivumelwano sami nani.

[10]Niyakudla unyasa omdala, nikhiphe unyasa ngenxa yokusha.

[11] Ngiyakubeka itabernakele lami phakathi kwenu, umphefumulo wami awuyikunengwa yinina.

[12]Ngiyakuhamba phakathi kwenu, ngibe nguNkulunkulu wenu, nibe ngabantu bami.

[13]NginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe ukuba ningabi yizigqila zabo; ngaphulile izikeyi zejoka lenu, ngenza ukuba nihambe niluleme.

Ukusongelwa kwabeqayo umthetho

[14] Kepha uma ningalaleli, ningayenzi yonke le miyalo,

[15]uma nilahla izimiso zami, uma umphefumulo wenu unengwa yizahlulelo zami, ukuze ningayenzi yonke imiyalo yami, kepha naphule isivumelwano sami,

[16]nami ngiyakwenza lokhu kini; ngiyakunehlisela ingebhe nesifuba nomkhuhlane oyakuqeda amehlo, udangalise umphefumulo; niyakuhlwanyela ngeze imbewu yenu, ngokuba izitha zenu ziyakuyidla.

[17] Ngiyakubeka ubuso bami bumelane nani, nibulawe phambi kwezitha zenu;

vos aborrecerem assenhorear-se-ão de vós e fugireis, sem ninguém vos perseguir.

[18] Se ainda assim com isto não me ouvirdes, tornarei a castigar-vos sete vezes mais por causa dos vossos pecados.

[19] Quebrantarei a soberba da vossa força e vos farei que os céus sejam como ferro e a vossa terra, como bronze.

[20] Debalde se gastará a vossa força; a vossa terra não dará a sua messe, e as árvores da terra não darão o seu fruto.

[21] E, se andardes contrariamente para comigo e não me quiserdes ouvir, trarei sobre vós pragas sete vezes mais, segundo os vossos pecados.

[22] Porque enviarei para o meio de vós as feras do campo, as quais vos desfilharão, e acabarão com o vosso gado, e vos reduzirão a poucos; e os vossos caminhos se tornarão desertos.

[23] Se ainda com isto não vos corrigirdes para volverdes a mim, porém andardes contrariamente comigo,

[24] eu também serei contrário a vós outros e eu mesmo vos ferirei sete vezes mais por causa dos vossos pecados.

[25] Trarei sobre vós a espada vingadora da minha aliança; e, então, quando vos ajuntardes nas vossas cidades, enviarei a peste para o meio de vós, e sereis entregues na mão do inimigo.

[26] Quando eu vos tirar o sustento do pão, dez mulheres cozerão o vosso pão num só

abanizondayo bayakubusa phezu kwenu, nibaleke ningaxoshwa muntu.

[18] Kepha uma ningangilaleli nangalezo zinto, ngiyakubuye nginishaye kasikhombisa ngezono zenu.

[19] Ngiyakwaphula ukuzidla kwamandla enu, ngenze izulu lenu libe njengensimbi, nomhlabathi wenu ube njengethusi.

[20]Amandla enu ayakuchithwa ngeze, ngokuba izwe lakini aliyikuthela ukudla kwalo, nemithi yezwe ayiyikuthela izithelo zayo.

[21] Uma nihamba niphambene nami, ningangilaleli, ngiyakubuye nginehlisele izinhlupheko ziphindwe kasikhombisa njengezono zenu.

[22]Ngiyakuthuma phakathi kwenu izilo zasendle eziyakunaphuca abantwana benu, zibulale izinkomo zenu, zininciphise, izindlela zenu zibe yihlane.

[23] Kepha uma ningaxwayiswa yimi ngalezo zinto, kodwa nihamba niphambene nami,

[24] nami ngiyakuhamba ngiphambene nani, nginishaye, yebo, mina, kasikhombisa ngezono zenu.

[25]Ngiyakunehlisela inkemba yempindiselo eyakuphindisela isivumelwano sami; senibuthelwe emizini yenu, ngiyakuthuma isifo phakathi kwenu, ninikelwe esandleni sesitha.

[26] Nxa ngaphula uzime lwesinkwa, abesifazane abayishumi bayakupheka isinkwa sakho eziko linye, babuyise

forno e vo-lo entregarão por peso; comereis, porém não vos fartareis.

27 Se ainda com isto me não ouvirdes e andardes contrariamente comigo,

28 eu também, com furor, serei contrário a vós outros e vos castigarei sete vezes mais por causa dos vossos pecados.

29 Comereis a carne de vossos filhos e de vossas filhas.

30 Destruirei os vossos altos, e desfarei as vossas imagens do sol, e lançarei o vosso cadáver sobre o cadáver dos vossos deuses; a minha alma se aborrecerá de vós.

31 Reduzirei as vossas cidades a deserto, e assolarei os vossos santuários, e não aspirarei o vosso aroma agradável.

32 Assolarei a terra, e se espantarão disso os vossos inimigos que nela morarem.

33 Espalhar-vos-ei por entre as nações e desembainharei a espada atrás de vós; a vossa terra será assolada, e as vossas cidades serão desertas.

34 Então, a terra folgará nos seus sábados, todos os dias da sua assolação, e vós estareis na terra dos vossos inimigos; nesse tempo, a terra descansará e folgará nos seus sábados.

35 Todos os dias da assolação descansará, porque não descansou nos vossos sábados, quando habitáveis nela.

isinkwa senu ngesisindo; niyakudla ningasuthi.

27 Kepha uma ningangilaleli nangazo zonke lezo zinto, kodwa nihamba niphambene nami,

28nami ngiyakuhamba ngiphambene nani ngokufutheka, ngikushaye kasikhombisa ngezono zakho.

29 Niyakudla inyama yamadodana enu, nenyama yamadodakazi enu niyakuyidla.

30Ngiyakuchitha izindawo zenu eziphakemeyo, nginqume ama-altare enu empepho, ngilahle izidumbu zenu phezu kwezidumbu zezithombe zenu; umphefumulo wami uyakunengwa yinina.

31 Ngiyakuyenza imizi yenu ibe yizwekufa, ngizenze izindlu zenu ezingcwele zibe yincithakalo; angisayikuhogela unqambothi lwamaphunga lwenu olumnandi.

32Ngiyakulenza izwe libe yincithakalo; izitha zenu ezihlala kulo ziyakumangala ngakho.

33 Nina-ke ngiyakunihlakazela ezizweni, ngihoshe inkemba emva kwenu, izwe lakini libe yincithakalo, nemizi yenu ibe yizwekufa.

34 Khona izwe liyakuthokoza ngamasabatha alo ngesikhathi lihlezi lichithekile, nina nisekhona ezweni lezitha zenu; khona izwe liyakuphumula, lithokoze ngamasabatha alo.

35Ngesikhathi lihlezi lichithekile liyakuphumula, lokho kuphumula

elalingenakho ngamasabatha enu, lapho nanisahlezi kulo.

36 Quanto aos que de vós ficarem, eu lhes meterei no coração tal ansiedade, nas terras dos seus inimigos, que o ruído de uma folha movida os perseguirá; fugirão como quem foge da espada; e cairão sem ninguém os perseguir.

36 Abaseleyo bakini ngiyakubehlisela itwetwe ezinhliziyweni zabo emazweni ezitha zabo; ubuhashahasha beqabunga elinyakaziswayo buyakubaxosha, babaleke njengalokhu umuntu ebalekela inkemba, bawe bengaxoshwa muntu.

37 Cairão uns sobre os outros como diante da espada, sem ninguém os perseguir; não podereis levantar-vos diante dos vossos inimigos.

37 Bayakukhubeka, omunye phezu komunye, kungathi kuphambi kwenkemba, bengaxoshwa muntu; aniyikuba namandla okuma phambi kwezitha zenu.

38 Perecereis entre as nações, e a terra dos vossos inimigos vos consumirá.

38 Niyakubhubha phakathi kwezizwe, izwe lezitha zenu linidle.

39 Aqueles que dentre vós ficarem serão consumidos pela sua iniqüidade nas terras dos vossos inimigos e pela iniqüidade de seus pais com eles serão consumidos.

39 Abaseleyo bakini bayakonda ngobubi babo emazweni ezitha zenu, nangobubi bawoyise bayakonda kanye nabo.

40 Mas, se confessarem a sua iniqüidade e a iniqüidade de seus pais, na infidelidade que cometeram contra mim, como também confessarem que andaram contrariamente para comigo,

40 Bayakuvuma ububi babo nobubi bawoyise ngeziphambeko zabo abaphambeka ngazo kimi, nokuthi njengokuba bahamba bephambene nami,

41 pelo que também fui contrário a eles e os fiz entrar na terra dos seus inimigos; se o seu coração incircunciso se humilhar, e tomarem eles por bem o castigo da sua iniqüidade,

41 nami ngahamba ngiphambene nabo, ngabayisa ezweni lezitha zabo; uma-ke izinhliziyo zabo ezingasokile zithobeka, besamukela isijeziso sobubi babo,

42 então, me lembrarei da minha aliança com Jacó, e também da minha aliança com Isaque, e também da minha aliança com Abraão, e da terra me lembrarei.

42 ngiyakukhumbula isivumelwano sami noJakobe; nesivumelwano sami no-Isaka, nesivumelwano sami no-Abrahama ngiyakusikhumbula, ngilikhumbule nezwe.

[43] Mas a terra na sua assolação, deixada por eles, folgará nos seus sábados; e tomarão eles por bem o castigo da sua iniqüidade, visto que rejeitaram os meus juízos e a sua alma se aborreceu dos meus estatutos.

[44] Mesmo assim, estando eles na terra dos seus inimigos, não os rejeitarei, nem me aborrecerei deles, para consumi-los e invalidar a minha aliança com eles, porque eu sou o SENHOR, seu Deus.

[45] Antes, por amor deles, me lembrarei da aliança com os seus antepassados, que tirei da terra do Egito à vista das nações, para lhes ser por Deus. Eu sou o SENHOR.

[46] São estes os estatutos, juízos e leis que deu o SENHOR entre si e os filhos de Israel, no monte Sinai, pela mão de Moisés.

Levítico 27

Votos particulares e a avaliação deles

[1] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[2] Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: Quando alguém fizer voto com respeito a pessoas, estas serão do SENHOR, segundo a tua avaliação.

[3] Se o objeto da tua avaliação for homem, da idade de vinte anos até à de sessenta, será a tua avaliação de cinqüenta siclos de prata, segundo o siclo do santuário.

[43]Izwe liyakushiywa yibo, lithokoze ngamasabatha alo, lisahlezi lichithekile, lingenabo; bayakwamukela isijeziso sobubi babo, ngokuba, yebo, ngokuba balahla izahlulelo zami nangokuba umphefumulo wabo wanengwa yizimiso zami.

[44] Kepha uma kunjalo, sebekhona ezweni lezitha zabo, angiyikubalahla, nginganengwa yibo, ukuze ngibaqothule, ngisaphule isivumelwano sami nabo, ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wabo;

[45]kepha ngenxa yabo ngiyakukhumbula isivumelwano sawokhokho babo engabakhipha ezweni laseGibithe emehlweni ezizwe ukuba ngibe nguNkulunkulu wabo; nginguJehova.

[46]Lezo ziyizimiso nezahlulelo nemithetho akwenzayo uJehova phakathi kwakhe nabantwana bakwa-Israyeli entabeni yaseSinayi ngesandla sikaMose.

ULevitikusi 27

Umthetho wezithembiso

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa umuntu enza isithembiso esithile, lapho uyakulinganisa abantu kuJehova,

[3]ukulinganisa kwakho owesilisa, kusukela koneminyaka engamashumi amabili kuze kube koneminyaka engamashumi ayisithupha, kuyakuba ngamashekeli angamashumi ayisihlanu esiliva ngokweshekeli lendlu engcwele.

[4] Porém, se for mulher, a tua avaliação será de trinta siclos.

[4]Uma kungowesifazane, ukulinganisa kwakho kuyakuba ngamashekeli angamashumi amathathu.

[5] Se a idade for de cinco anos até vinte, a tua avaliação do homem será de vinte siclos, e a da mulher, de dez siclos.

[5]Uma kusukela koneminyaka eyisihlanu kuze kube koneminyaka engamashumi amabili, ukulinganisa kwakho owesilisa kuyakuba ngamashekeli angamashumi amabili, nowesifazane amashekeli ayishumi.

[6] Se a idade for de um mês até cinco anos, a tua avaliação do homem será de cinco siclos de prata, e a tua avaliação pela mulher será de três siclos de prata.

[6]Uma kusukela konenyanga kuze kube koneminyaka eyisihlanu, ukulinganisa kwakho owesilisa kuyakuba ngamashekeli ayisihlanu esiliva, nokulinganisa kwakho owesifazane kuyakuba ngamashekeli amathathu esiliva.

[7] De sessenta anos para cima, se for homem, a tua avaliação será de quinze siclos; se mulher, dez siclos.

[7]Uma kusukela koneminyaka engamashuni ayisithupha kuya phezulu, nalapho kungowesilisa, ukulinganisa kwakho kuyakuba ngamashekeli ayishumi nanhlanu, nowesifazane kube ngamashekeli ayishumi.

[8] Mas, se for mais pobre do que a tua avaliação, então, apresentar-se-á diante do sacerdote, para que este o avalie; segundo o que permitem as posses do que fez o voto, o avaliará o sacerdote.

[8]Kepha uma empofu kunokulinganisa kwakho, uyakubekwa phambi kompristi, umpristi amlinganise; umpristi uyakumlinganisa ngokwamandla akhe owathembisayo.

[9] Se for animal dos que se oferecem ao SENHOR, tudo quanto dele se der ao SENHOR será santo.

[9] Uma kuyizilwane okunganikelwa ngazo kuJehova, zonke ezinjalo umuntu anikela ngazo kuJehova ziyakuba ngcwele.

[10] Não o mudará, nem o trocará bom por mau ou mau por bom; porém, se dalgum modo se trocar animal por animal, um e outro serão santos.

[10]Akayikuziphambanisa, angazenani ngezinye, esihle ngesibi nesibi ngesihle; uma enana nokwenana isilwane ngesilwane, sona leso kanye naso okwenanwa ngaso ziyakuba ngcwele.

[11] Se for animal imundo dos que se não oferecem ao SENHOR, então, apresentará o animal diante do sacerdote.

[12] O sacerdote o avaliará, seja bom ou mau; segundo a avaliação do sacerdote, assim será.

[13] Porém, se dalgum modo o resgatar, então, acrescentará a quinta parte à tua avaliação.

[14] Quando alguém dedicar a sua casa para ser santa ao SENHOR, o sacerdote a avaliará, seja boa ou seja má; como o sacerdote a avaliar, assim será.

[15] Mas, se aquele que a dedicou quiser resgatar a casa, então, acrescentará a quinta parte do dinheiro à tua avaliação, e será sua.

Voto de um campo e o resgate dele

[16] Se alguém dedicar ao SENHOR parte do campo da sua herança, então, a tua avaliação será segundo a semente necessária para o semear: um gômer pleno de cevada será avaliado por cinqüenta siclos de prata.

[17] Se dedicar o seu campo desde o Ano do Jubileu, segundo a tua plena avaliação, ficará.

[18] Mas, se dedicar o seu campo depois do Ano do Jubileu, então, o sacerdote lhe contará o dinheiro segundo os anos restantes até ao Ano do Jubileu, e isto se abaterá da tua avaliação.

[19] Se aquele que dedicou o campo dalgum modo o quiser resgatar, então,

[11]Uma kuyisilwane esingcolileyo okunganikelwa ngaso kuJehova, uyakusibeka isilwane phambi kompristi,

[12]umpristi asilinganise, noma sihle noma sibi; njengalokho wena mpristi ulinganisa, kuyakuba njalo.

[13]Kepha uma ethanda ngempela ukusihlenga, uyakuthasisela okwesihlanu kwaso kukho ukulinganisa kwakho.

[14] Nxa umuntu eyakungcwelisa indlu yakhe ibe ngcwele kuJehova, umpristi uyakuyilinganisa uma inhle noma imbi; njengalokhu umpristi eyilinganisa, kuyakuba njalo.

[15]Uma oyingcwelisayo ethanda ukuyihlenga indlu yakhe, uyakuthasisela okwesihlanu kwemali yokulinganisa kwakho, ibe ngeyakhe.

[16] Uma umuntu eyakumngcwelisela uJehova inxenye yensimu yefa lakhe, ukulinganisa kwakho kuyakuba njengokuhlwanyelwa kwayo, ukuhlwanyelwa kwehomere lebhali kube ngamashekeli angamashumi ayisihlanu esiliva.

[17]Uma engcwelisa insimu yakhe kusukela emnyakeni wejubili, iyakuma ngokulinganisa kwakho.

[18]Kepha uma ungcwelisa insimu emva kwejubili, umpristi uyakumbalela imali ngeminyaka eseleyo kuze kufike umnyaka wejubili, kuncishiswe ukulinganisa kwakho.

[19]Uma ongcwelisa insimu ethanda ngempela ukuyihlenga, uyakuthasisela

acrescentará a quinta parte do dinheiro à tua avaliação, e ficará seu.

[20] Se não quiser resgatar o campo ou se o vender a outro homem, nunca mais se resgatará.

[21] Porém, havendo o campo saído livre no Ano do Jubileu, será santo ao SENHOR, como campo consagrado; a posse dele será do sacerdote.

[22] Se alguém dedicar ao SENHOR o campo que comprou, e não for parte da sua herança,

[23] então, o sacerdote lhe contará o preço da avaliação até ao Ano do Jubileu; e, no mesmo dia, dará o importe da avaliação como coisa santa ao SENHOR.

[24] No Ano do Jubileu, o campo tornará àquele que o vendeu, àquele de quem era a posse do campo por herança.

[25] Toda a tua avaliação se fará segundo o siclo do santuário; o siclo será de vinte geras.

[26] Mas o primogênito de um animal, por já pertencer ao SENHOR, ninguém o dedicará; seja boi ou gado miúdo, é do SENHOR.

[27] Mas, se for de um animal imundo, resgatar-se-á, segundo a tua avaliação, e sobre ele acrescentará a quinta parte; se não for resgatado, vender-se-á, segundo a tua avaliação.

Não há resgate para certas coisas consagradas

[28] No entanto, nada do que alguém dedicar irremissivelmente ao SENHOR, de tudo o que tem, seja homem, ou animal, ou

kuyo okwesihlanu kwemali yokulinganisa kwakho, iqiniswe kuye.

[20]Uma engahlengi insimu, noma ethengisile ngensimu komunye umuntu, ayisayikuhlengwa.

[21]Kepha insimu ekuphumeni kwayo ngejubili iyakuba ngcwele kuJehova njengensimu eyahlukaniswayo; iyakuba yifa lompristi.

[22] Uma engcwelisela uJehova insimu ayithengileyo, engesiyo insimu yefa lakhe,

[23]umpristi uyakumbalela imali yokulinganisa kwakho kuze kufike umnyaka wejubili, anike ukulinganisa kwakho ngalolo suku kube yinto engcwele kuJehova.

[24] Ngomnyaka wejubili insimu iyakubuyela kuye eyathengwa kuye, yebo, kuye olifa lensimu lingelakhe.

[25]Konke ukulinganisa kwakho kuyakuba ngokweshekeli lendlu engcwele; amagera angamashumi amabili ayakuba yishekeli.

[26] Kepha izibulo lezilwane elenziwe libe yizibulo kuJehova aliyikungcweliswa muntu; noma liyinkabi noma liyimvu, lingelikaJehova.

[27]Uma kungelesilwane esingcolileyo, uyakulihlenga ngokulinganisa kwakho, athasisele kukho okwesihlanu kwakho; uma lingahlengwa, kuyakuthengiswa ngalo ngokulinganisa kwakho.

[28] Nokho into yonke eyahlukaniswa, umuntu ayahlukanisela uJehova kukho konke anakho, noma abantu, noma

campo da sua herança, se poderá vender, nem resgatar; toda coisa assim consagrada será santíssima ao SENHOR.

izilwane, noma insimu yefa lakhe, akuyikuthengiswa ngayo, ingahlengwa; konke okwahlukanisiwe kungcwelengcwele kuJehova.

29 Ninguém que dentre os homens for dedicado irremissivelmente ao SENHOR se poderá resgatar; será morto.

29 Akukho muntu owaqalekiswayo, owaqalekiswa kubantu, ongahlengwa; wobulawa nokubulawa.

Sobre as dízimas

30 Também todas as dízimas da terra, tanto dos cereais do campo como dos frutos das árvores, são do SENHOR; santas são ao SENHOR.

Okweshumi

30 Nokweshumi konke kwezwe, okwembewu yezwe noma okwezithelo zemithi, kungokukaJehova; kungcwele kuJehova.

31 Se alguém, das suas dízimas, quiser resgatar alguma coisa, acrescentará a sua quinta parte sobre ela.

31 Uma umuntu ethanda ukuhlenga okuthile okokweshumi kwakhe, uyakuthasisela kukho okwesihlanu kwakho.

32 No tocante às dízimas do gado e do rebanho, de tudo o que passar debaixo do bordão do pastor, o dízimo será santo ao SENHOR.

32 Konke okweshumi kwezinkomo noma okwezimvu, zonke ezidlula phansi kwentonga, okweshumi kuyakuba ngcwele kuJehova.

33 Não se investigará se é bom ou mau, nem o trocará; mas, se dalgum modo o trocar, um e outro serão santos; não serão resgatados.

33 Akayikuhlola, uma kuhle noma kubi, angakwenani ngokunye; kepha uma ngempela ekwenana ngokunye, lokhu nalokho akwenana ngakho kuyakuba ngcwele; akuyikuhlengwa.

34 São estes os mandamentos que o SENHOR ordenou a Moisés, para os filhos de Israel, no monte Sinai.

34 Leyo iyimiyalo uJehova ayala ngayo uMose ngabantwana bakwa-Israyeli entabeni yaseSinayi.

O quarto livro de Moisés chamado Números	UNumeri

Números 1

Deus manda Moisés levantar o censo de Israel

[1] No segundo ano após a saída dos filhos de Israel do Egito, no primeiro dia do segundo mês, falou o SENHOR a Moisés, no deserto do Sinai, na tenda da congregação, dizendo:

[2] Levantai o censo de toda a congregação dos filhos de Israel, segundo as suas famílias, segundo a casa de seus pais, contando todos os homens, nominalmente, cabeça por cabeça.

[3] Da idade de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra em Israel, a esses contareis segundo os seus exércitos, tu e Arão.

[4] De cada tribo vos assistirá um homem que seja cabeça da casa de seus pais.

[5] Estes, pois, são os nomes dos homens que vos assistirão: de Rúben, Elizur, filho de Sedeur;

[6] de Simeão, Selumiel, filho de Zurisadai;

[7] de Judá, Naassom, filho de Aminadabe;

[8] de Issacar, Natanael, filho de Zuar;

[9] de Zebulom, Eliabe, filho de Helom;

UNumeri 1

Ukubalwa kwabantu bakwa-Israyeli ehlane laseSinayi

[1]UJehova wakhuluma kuMose ehlane laseSinayi etendeni lokuhlangana ngolokuqala lwenyanga yesibili ngomnyaka wesibili emva kokuphuma kwabo eGibithe, wathi:

[2] Balani umumo wenhlangano yonke yabantwana bakwa-Israyeli ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokumumo wamagama abo, bonke abesilisa ngezinhloko zabo;

[3]kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abakwa-Israyeli abangaphuma impi, wena no-Aroni anobabala ngamabandla abo.

[4]Kanye nani kuzakuba khona indoda ibe nye kuleso naleso sizwe, yileyo naleyo ibe yinhloko yendlu kayise.

[5]Lawa angamagama amadoda ayakuma nani: kwaRubeni: u-Elisuri indodana kaShedewuri.

[6]KwaSimeyoni: uShelumiyeli indodana kaSurishadayi.

[7]KwaJuda: uNaheshoni indodana ka-Aminadaba.

[8]Kwa-Isakare: uNethaneli indodana kaSuwari.

[9]KwaZebuloni: u-Eliyabe indodana kaHeloni.

10 dos filhos de José: de Efraim, Elisama, filho de Amiúde; de Manassés, Gamaliel, filho de Pedazur;	10Kubantwana bakwaJosefa: kwa-Efrayimi: u-Elishama indodana ka-Amihudi; kwaManase: uGamaliyeli indodana kaPedasuri.
11 de Benjamim, Abidã, filho de Gideoni;	11KwaBenjamini: u-Abidani indodana kaGideyoni.
12 de Dã, Aiezer, filho de Amisadai;	12KwaDani: u-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi.
13 de Aser, Pagiel, filho de Ocrã;	13Kwa-Asheri: uPagiyeli indodana ka-Okirani.
14 de Gade, Eliasafe, filho de Deuel;	14KwaGadi: u-Eliyasafa indodana kaDehuweli.
15 de Naftali, Aira, filho de Enã.	15KwaNafetali: u-Ahira indodana ka-Enani.
16 Estes foram os chamados da congregação, os príncipes das tribos de seus pais, os cabeças dos milhares de Israel.	16Yilabo ababebizwa enhlanganweni, izikhulu zezizwe zawoyise; babe yizinhloko zemizi yakwa-Israyeli.
17 Então, Moisés e Arão tomaram estes homens, que foram designados pelos seus nomes.	17OMose no-Aroni base bethatha lawo madoda aseshiwo ngamagama.
18 E, tendo ajuntado toda a congregação no primeiro dia do mês segundo, declararam a descendência deles, segundo as suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, cabeça por cabeça.	18Babutha inhlangano yonke ngolokuqala lwenyanga yesibili, basho okhokho babo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, ngezinhloko zabo.
19 Como o SENHOR ordenara a Moisés, assim os contou no deserto do Sinai.	19Njengalokho uJehova eyalile uMose, wababala kanjalo ehlane laseSinayi.
20 Dos filhos de Rúben, o primogênito de Israel, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, cabeça por cabeça, todos os homens de vinte anos	20Abantwana bakwaRubeni, izibulo lika-Israyeli, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, ngezinhloko zabo, bonke abesilisa kusukela

para cima, todos os capazes de sair à guerra,

[21] foram contados deles, da tribo de Rúben, quarenta e seis mil e quinhentos.

[22] Dos filhos de Simeão, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, cabeça por cabeça, todos os homens de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

[23] foram contados deles, da tribo de Simeão, cinqüenta e nove mil e trezentos.

[24] Dos filhos de Gade, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

[25] foram contados deles, da tribo de Gade, quarenta e cinco mil seiscentos e cinqüenta.

[26] Dos filhos de Judá, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

[21]labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaRubeni, babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nesithupha namakhulu ayisihlanu.

[22]Kubantwana bakwaSimeyoni, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise, labo ababalwayo kubo njengokomumo wamagama, ngezinhloko zabo, bonke abesilisa kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

[23]labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaSimeyoni, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesishiyagalolunye namakhulu amathathu.

[24]Kubantwana bakwaGadi, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

[25]labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaGadi, babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanhlanu namakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu.

[26]Kubantwana bakwaJuda, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi

amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

27 foram contados deles, da tribo de Judá, setenta e quatro mil e seiscentos.

27labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaJuda, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nane namakhulu ayisithupha.

28 Dos filhos de Issacar, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

28Kubantwana bakwa-Isakare, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

29 foram contados deles, da tribo de Issacar, cinqüenta e quatro mil e quatrocentos.

29labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwa-Isakare, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nane namakhulu amane.

30 Dos filhos de Zebulom, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

30Kubantwana bakwaZebuloni, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

31 foram contados deles, da tribo de Zebulom, cinqüenta e sete mil e quatrocentos.

31labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaZebuloni, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesikhombisa namakhulu amane.

32 Dos filhos de José, dos filhos de Efraim, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

32Kubantwana bakwaJosefa, okungukuthi kubantwana bakwa-Efrayimi, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili, bonke abangaphuma impi:

33 foram contados deles, da tribo de Efraim, quarenta mil e quinhentos.

33labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwa-Efrayimi, babe yizinkulungwane

ezingamashumi amane namakhulu ayisihlanu.

[34] Dos filhos de Manassés, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

[34]Kubantwana bakwaManase, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

[35] foram contados deles, da tribo de Manassés, trinta e dois mil e duzentos.

[35]labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaManase, babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili namakhulu amabili.

[36] Dos filhos de Benjamim, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

[36]Kubantwana bakwaBenjamini, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

[37] foram contados deles, da tribo de Benjamim, trinta e cinco mil e quatrocentos.

[37]labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaBenjamini, babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhlanu namakhulu amane.

[38] Dos filhos de Dã, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

[38]Kubantwana bakwaDani, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

[39] foram contados deles, da tribo de Dã, sessenta e dois mil e setecentos.

[39]labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaDani, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nambili namakhulu ayisikhombisa.

[40] Dos filhos de Aser, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte

[40]Kubantwana bakwa-Asheri, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo

anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

41 foram contados deles, da tribo de Aser, quarenta e um mil e quinhentos.

42 Dos filhos de Naftali, as suas gerações, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais, contados nominalmente, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

43 foram contados deles, da tribo de Naftali, cinqüenta e três mil e quatrocentos.

44 Foram estes os contados, contados por Moisés e Arão; e os príncipes de Israel eram doze homens; cada um era pela casa de seus pais.

45 Assim, pois, todos os contados dos filhos de Israel, segundo a casa de seus pais, de vinte anos para cima, todos os capazes de sair à guerra,

46 todos os contados foram seiscentos e três mil quinhentos e cinqüenta.

Os levitas não são contados

47 Mas os levitas, segundo a tribo de seus pais, não foram contados entre eles,

48 porquanto o SENHOR falara a Moisés, dizendo:

wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuyo phezulu, bonke abangaphuma impi:

41labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwa-Asheri, babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanye namakhulu ayisihlanu.

42Kubantwana bakwaNafetali, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabenminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

43labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaNafetali, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nantathu namakhulu amane.

44Yilabo ababalwayo, ababalwa nguMose nangu-Aroni kanye nezikhulu zakwa-Israyeli, zingamadoda ayishumi nambili, kwaba yileyo naleyo yamela indlu kayise.

45Bonke ababalwayo babantwana bakwa-Israyeli ngezindlu zawoyise kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abakwa-Israyeli abangaphuma impi,

46 bonke ababalwayo babe yizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha nantathu namakhulu ayisihlanu namashumi ayisihlanu.

47Kepha amaLevi ngokwesizwe sawoyise awabalwanga phakathi kwabo.

48Ngokuba uJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[49] Somente não contarás a tribo de Levi, nem levantarás o censo deles entre os filhos de Israel;

[50] mas incumbe tu os levitas de cuidarem do tabernáculo do Testemunho, e de todos os seus utensílios, e de tudo o que lhe pertence; eles levarão o tabernáculo e todos os seus utensílios; eles ministrarão no tabernáculo e acampar-se-ão ao redor dele.

[51] Quando o tabernáculo partir, os levitas o desarmarão; e, quando assentar no arraial, os levitas o armarão; o estranho que se aproximar morrerá.

[52] Os filhos de Israel se acamparão, cada um no seu arraial e cada um junto ao seu estandarte, segundo as suas turmas.

[53] Mas os levitas se acamparão ao redor do tabernáculo do Testemunho, para que não haja ira sobre a congregação dos filhos de Israel; pelo que os levitas tomarão a si o cuidar do tabernáculo do Testemunho.

[54] Assim fizeram os filhos de Israel; segundo tudo o que o SENHOR ordenara a Moisés, assim o fizeram.

Números 2

A ordem das tribos no acampamento

[1] Disse o SENHOR a Moisés e a Arão:

[2] Os filhos de Israel se acamparão junto ao seu estandarte, segundo as insígnias da

[49] Isizwe sakwaLevi kuphela awuyikusibala, ungabali umumo waso phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli,

[50]kepha beka amaLevi phezu kwetabernakele lobufakazi, naphezu kwazo zonke izimpahla zalo, nakho konke okwalo; ayakuthwala itabernakele nayo yonke impahla yalo; ayakukhonza kulo, amise alihaqe.

[51]Ekusukeni kwetabernakele amaLevi ayakulisusa, ekumisweni kwalo amaLevi alimise; umfokazi osondelayo uyakubulawa.

[52]Abantwana bakwa-Israyeli bayakumisa amatende abo, kube yilowo nalowo ekamu labo, yilowo nalowo ngasebhaneleni labo, ngamabandla abo.

[53]Kepha amaLevi ayakumisa nxazonke zetabernakele lobufakazi, ukuze kungabikho lulaka phezu kwenhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, amaLevi agcine izimfanelo zetabernakele lobufakazi.

[54]Abantwana bakwa-Israyeli benze njalo; benza kukho konke njengalokho uJehova emyalile uMose.

UNumeri 2

Imithetho yezindawo zezizwe ekamu* nasekuhambeni

[1]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

[2] Abantwana bakwa-Israyeli bayakumisa, kube yilowo nalowo ngasebhaneleni lakhe ngasezibonisweni zezindlu zawoyise;

casa de seus pais; ao redor, de frente para a tenda da congregação, se acamparão.

bayakumisa nxazonke maqondana netende lokuhlangana.

3 Os que se acamparem ao lado oriental (para o nascente) serão os do estandarte do arraial de Judá, segundo as suas turmas; e Naassom, filho de Aminadabe, será príncipe dos filhos de Judá.

3Abamisa ngasempumalanga ngasekuphumeni kwelanga bayakuba ngabebhanela lekamu lakwaJuda ngamabandla abo; isikhulu sabantwana bakwaJuda sibe nguNaheshoni indodana ka-Aminadaba.

4 E o seu exército, segundo o censo, foram setenta e quatro mil e seiscentos.

4Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nane namakhulu ayisithupha.

5 E junto a ele se acampará a tribo de Issacar; e Natanael, filho de Zuar, será príncipe dos filhos de Issacar.

5Abamisa eceleni kwakhe bayakuba yisizwe sakwa-Isakare; isikhulu sabantwana bakwa-Isakare siyakuba nguNethaneli indodana kaSuwari;

6 E o seu exército, segundo o censo, foram cinqüenta e quatro mil e quatrocentos.

6ibandla lakhe nalabo ababalwayo kulo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nane namakhulu amane.

7 Depois, a tribo de Zebulom; e Eliabe, filho de Helom, será príncipe dos filhos de Zebulom.

7Isizwe sakwaZebuloni: isikhulu sabantwana bakwaZebuloni siyakuba ngu-Eliyabe indodana kaHeloni;

8 E o seu exército, segundo o censo, foram cinqüenta e sete mil e quatrocentos.

8ibandla lakhe nalabo ababalwayo kulo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesikhombisa namakhulu amane.

9 Todos os que foram contados do arraial de Judá foram cento e oitenta e seis mil e quatrocentos, segundo as suas turmas; e estes marcharão primeiro.

9Bonke ababalwayo bekamu lakwaJuda babe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesithupha namakhulu amane ngamabandla abo. Labo bayakusuka kuqala.

10 O estandarte do arraial de Rúben, segundo as suas turmas, estará para o lado

10Ibhanela lekamu lakwaRubeni liyakuba ngaseningizimu ngamabandla abo; isikhulu sabantwana bakwaRubeni

sul; e Elizur, filho de Sedeur, será príncipe dos filhos de Rúben.

11 E o seu exército, segundo o censo, foram quarenta e seis mil e quinhentos.

12 E junto a ele se acampará a tribo de Simeão; e Selumiel, filho de Zurisadai, será príncipe dos filhos de Simeão.

13 E o seu exército, segundo o censo, foram cinqüenta e nove mil e trezentos.

14 Depois, a tribo de Gade; e Eliasafe, filho de Deuel, será príncipe dos filhos de Gade.

15 E o seu exército, segundo o censo, foram quarenta e cinco mil seiscentos e cinqüenta.

16 Todos os que foram contados no arraial de Rúben foram cento e cinqüenta e um mil quatrocentos e cinqüenta, segundo as suas turmas; e estes marcharão em segundo lugar.

17 Então, partirá a tenda da congregação com o arraial dos levitas no meio dos arraiais; como se acamparem, assim marcharão, cada um no seu lugar, segundo os seus estandartes.

18 O estandarte do arraial de Efraim, segundo as suas turmas, estará para o lado

siyakuba ngu-Elisuri indodana kaShedewuri.

11Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kulo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nesithupha namakhulu ayisihlanu.

12Abamisa eceleni kwakhe bayakuba yisizwe sakwaSimeyoni; isikhulu sabantwana bakwaSimeyoni siyakuba nguShelumiyeli indodana kaSurishadayi.

13Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesishiyagalolunye namakhulu amathathu.

14Nesizwe sakwaGadi: isikhulu sabantwana bakwaGadi siyakuba ngu-Eliyasafa indodana kaRehuweli.

15Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanhlanu namakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu.

16Bonke ababalwayo bekamu lakwaRubeni babe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihlanu nanye namakhulu amane namashumi ayisihlanu ngamabandla abo. Labo bayakusuka babe ngabesibili.

17Itende lokuhlangana liyakusuka kanye nekamu lamaLevi, liphakathi kwamakamu; njengalokhu bemisa, kanjalo bayakusuka, kube yilowo nalowo muntu endaweni yakhe, ngamabhanela abo.

18Ibhanela lekamu lakwa-Efrayimi liyakuba ngasentshonalanga ngamabandla abo; isikhulu sabantwana

ocidental; e Elisama, filho de Amiúde, será príncipe dos filhos de Efraim.

19 E o seu exército, segundo o censo, foram quarenta mil e quinhentos.

20 E junto a ele, a tribo de Manassés; e Gamaliel, filho de Pedazur, será príncipe dos filhos de Manassés.

21 E o seu exército, segundo o censo, foram trinta e dois mil e duzentos.

22 Depois, a tribo de Benjamim; e Abidã, filho de Gideoni, será príncipe dos filhos de Benjamim.

23 O seu exército, segundo o censo, foram trinta e cinco mil e quatrocentos.

24 Todos os que foram contados no arraial de Efraim foram cento e oito mil e cem, segundo as suas turmas; e estes marcharão em terceiro lugar.

25 O estandarte do arraial de Dã estará para o norte, segundo as suas turmas; e Aiezer, filho de Amisadai, será príncipe dos filhos de Dã.

26 E o seu exército, segundo o censo, foram sessenta e dois mil e setecentos.

27 E junto a ele se acampará a tribo de Aser; e Pagiel, filho de Ocrã, será príncipe dos filhos de Aser.

bakwa-Efrayimi siyakuba ngu-Elishama indodana ka-Amihudi.

19Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane namakhulu ayisihlanu.

20Eceleni kwakhe kuyakuba khona isizwe sakwaManase; isikhulu sabantwana bakwaManase siyakuba nguGamaliyeli indodana kaPedasuri.

21Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili namakhulu amabili.

22Nesizwe sakwaBenjamini; isikhulu sabantwana bakwaBenjamini siyakuba ngu-Abidani indodana kaGideyoni.

23Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhlanu namakhulu amane.

24Bonke ababalwayo bekamu lakwa-Efrayimi babe yizinkulungwane eziyikhulu nesishiyagalombili nekhulu ngamabandla abo. Labo bayakusuka babe ngabesithathu.

25Ibhanela lekamu lakwaDani liyakuba ngasenyakatho ngamabandla abo; isikhulu sabantwana bakwaDani siyakuba ngu-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi.

26Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nambili namakhulu ayisikhombisa.

27Abamisa eceleni kwakhe bayakuba yisizwe sakwa-Asheri; isikhulu sabantwana bakwa-Asheri siyakuba nguPagiyeli indodana ka-Okirani.

[28] E o seu exército, segundo o censo, foram quarenta e um mil e quinhentos.

[29] Depois, a tribo de Naftali; e Aira, filho de Enã, será príncipe dos filhos de Naftali.

[30] E o seu exército, segundo o censo, foram cinqüenta e três mil e quatrocentos.

[31] Todos os que foram contados no arraial de Dã foram cento e cinqüenta e sete mil e seiscentos; e estes marcharão no último lugar, segundo os seus estandartes.

[32] São estes os que foram contados dos filhos de Israel, segundo a casa de seus pais; todos os que foram contados dos arraiais pelas suas turmas foram seiscentos e três mil quinhentos e cinqüenta.

[33] Mas os levitas não foram contados entre os filhos de Israel, como o SENHOR ordenara a Moisés.

[34] Assim fizeram os filhos de Israel; conforme tudo o que o SENHOR ordenara a Moisés, se acamparam segundo os seus estandartes e assim marcharam, cada qual segundo as suas famílias, segundo a casa de seus pais.

Números 3

Número e ofício dos levitas

[1] São estas, pois, as gerações de Arão e de Moisés, no dia em que o SENHOR falou com Moisés no monte Sinai.

[28]Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanye namakhulu ayisihlanu.

[29]Nesizwe sakwaNafetali: isikhulu sabantwana bakwaNafetali siyakuba ngu-Ahira indodana ka-Enani.

[30]Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nantathu namakhulu amane.

[31]Bonke ababalwayo bekamu lakwaDani babe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihlanu nesikhombisa namakhulu ayisithupha. Labo bayakusuka babe ngabokugcina namabhanela abo.

[32] Yilabo ababalwayo kubantwana bakwa-Israyeli ngezindlu zawoyise; bonke ababalwayo bamakamu ngamabandla abo babe yizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha nantathu namakhulu ayisihlanu namashumi ayisihlanu.

[33]Kepha amaLevi ayengabalwa phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, njengalokho uJehova emyalile uMose.

[34]Benze njalo-ke abantwana bakwa-Israyeli: njengakho konke uJehova amyale ngakho uMose, kanjalo bamisa ngasemabhaneleni abo, kanjalo basuka, kwaba yilowo nalowo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise.

UNumeri 3

Ukubalwa kwamaLevi nokwamazibulo

[1]Lezi ziyizizukulwane zika-Aroni nezikaMose ngalolo suku uJehova akhuluma ngalo kuMose entabeni yaseSinayi.

[2] E são estes os nomes dos filhos de Arão: o primogênito, Nadabe; depois, Abiú, Eleazar e Itamar.

[2] Lawa angamagama amadodana ka-Aroni: uNadabi izibulo, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

[3] Estes são os nomes dos filhos de Arão, os sacerdotes ungidos, consagrados para oficiar como sacerdotes.

[3] Yilawo angamagama amadodana ka-Aroni, abapristi abagcotshiweyo, abahlukaniselwa ukukhonza esikhundleni sobupristi.

[4] Mas Nadabe e Abiú morreram perante o SENHOR, quando ofereciam fogo estranho perante o SENHOR, no deserto do Sinai, e não tiveram filhos; porém Eleazar e Itamar oficiaram como sacerdotes diante de Arão, seu pai.

[4] ONadabi no-Abihu bafa phambi kukaJehova, benikela ngomlilo ongafanele ebusweni bukaJehova ehlane laseSinayi; babengenabantwana. Kwase kukhonza o-Eleyazare no-Itamari esikhundleni sobupristi ebusweni buka-Aroni uyise.

[5] Disse o SENHOR a Moisés:

[5]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[6] Faze chegar a tribo de Levi e põe-na diante de Arão, o sacerdote, para que o sirvam

[6] Sondeza isizwe sakwaLevi, usimise phambi kuka-Aroni, umpristi, ukuba simkhonze.

[7] e cumpram seus deveres para com ele e para com todo o povo, diante da tenda da congregação, para ministrarem no tabernáculo.

[7]Bayakugcina izimfanelo zakho nezimfanelo zenhlangano yonke phambi kwetende lokuhlangana ukwenza inkonzo yetabernakele.

[8] Terão cuidado de todos os utensílios da tenda da congregação e cumprirão o seu dever para com os filhos de Israel, no ministrar no tabernáculo.

[8]Bayakugcina yonke impahla yetende lokuhlangana nezimfanelo zabantwana bakwa-Israyeli ukwenza inkonzo yetabernakele.

[9] Darás, pois, os levitas a Arão e a seus filhos; dentre os filhos de Israel lhe são dados.

[9] Uyakunikela amaLevi ku-Aroni nakumadodana akhe; ayanikelwa ngempela kuye, evela kubantwana bakwa-Israyeli.

[10] Mas a Arão e a seus filhos ordenarás que se dediquem só ao seu sacerdócio, e o estranho que se aproximar morrerá.

[10] Uyakumisa u-Aroni namadodana akhe, bagcine ubupristi babo; umfokazi osondelayo uyakubulawa.

[11] Disse o SENHOR a Moisés:

[11]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[12] Eis que tenho eu tomado os levitas do meio dos filhos de Israel, em lugar de todo primogênito que abre a madre, entre os filhos de Israel; e os levitas serão meus.

[12] Mina ngikhiphile amaLevi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli esikhundleni samazibulo onke avula isizalo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; amaLevi ayakuba ngawami.

[13] Porque todo primogênito é meu; desde o dia em que feri a todo primogênito na terra do Egito, consagrei para mim todo primogênito em Israel, desde o homem até ao animal; serão meus. Eu sou o SENHOR.

[13] Ngokuba onke amazibulo angawami; ngalolo suku engabulala ngalo onke amazibulo ezweni laseGibithe ngazingcwelisela amazibulo onke kwa-Israyeli, awabantu nawezilwane; ayakuba ngawami; nginguJehova.

[14] Falou o SENHOR a Moisés no deserto do Sinai, dizendo:

[14]UJehova wakhuluma kuMose ehlane laseSinayi, wathi:

[15] Conta os filhos de Levi, segundo a casa de seus pais, pelas suas famílias; contarás todo homem da idade de um mês para cima.

[15] Bala abantwana bakwaLevi ngezindlu zawoyise nangemindeni yabo; uyakubala bonke abesilisa kusukela kwabanenyanga kuya phezulu.

[16] E Moisés os contou segundo o mandado do SENHOR, como lhe fora ordenado.

[16]UMose wababala njengezwi likaJehova, njengalokho wayalwa.

[17] São estes os filhos de Levi pelos seus nomes: Gérson, Coate e Merari.

[17] Lawa angamadodana kaLevi ngamagama awo: oGereshoni, noKohati, noMerari.

[18] E estes são os nomes dos filhos de Gérson pelas suas famílias: Libni e Simei.

[18]Lawa angamagama amadodana kaGereshoni ngemindeni yawo: oLibini noShimeyi.

[19] E os filhos de Coate pelas suas famílias: Anrão, Izar, Hebrom e Uziel.

[19]Namadodana kaKohati ngemindeni yawo: o-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli.

[20] E os filhos de Merari pelas suas famílias: Mali e Musi; são estas as famílias dos levitas, segundo a casa de seus pais.

[20]Namadodana kaMerari ngemindeni yawo: oMaheli noMushi. Leyo iyimindeni yamaLevi ngezindlu zawoyise.

[21] De Gérson é a família dos libnitas e a dos simeítas; são estas as famílias dos gersonitas.

[21]KwaGereshoni kwavela umndeni wamaLibini nomndeni wamaShimeyi; yileyo eyimindeni yamaGereshoni.

[22] Todos os homens que deles foram contados, cada um nominalmente, de um mês para cima, foram sete mil e quinhentos.

[23] As famílias dos gersonitas se acamparão atrás do tabernáculo, ao ocidente.

[24] O príncipe da casa paterna dos gersonitas será Eliasafe, filho de Lael.

[25] Os filhos de Gérson terão a seu cargo, na tenda da congregação, o tabernáculo, a tenda e sua coberta, o reposteiro para a porta da tenda da congregação,
[26] as cortinas do pátio, o reposteiro da porta do pátio, que rodeia o tabernáculo e o altar, as suas cordas e todo o serviço a eles devido.

[27] De Coate é a família dos anramitas, e a dos izaritas, e a dos hebronitas, e a dos uzielitas; são estas as famílias dos coatitas.

[28] Contados todos os homens, da idade de um mês para cima, foram oito mil e seiscentos, que tinham a seu cargo o santuário.

[29] As famílias dos filhos de Coate se acamparão ao lado do tabernáculo, do lado sul.

[30] O príncipe da casa paterna das famílias dos coatitas será Elisafã, filho de Uziel.

[22]Labo ababalwayo kubo njengokomumo wabesilisa bonke kusukela kwabanenyanga kuya phezulu, ababalwayo kubo babe yizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisihlanu.
[23]Imindeni yamaGereshoni iyakumisa emva kwetabernakele ngasentshonalanga.
[24]Isikhulu sendlu kayise wamaGereshoni siyakuba ngu-Eliyasafa indodana kaLayeli.
[25]Imfanelo yamadodana kaGereshoni etendeni lokuhlangana iyakuba yitabernakele, netende, nesimbozo salo, neveli lomnyango wetende lokuhlangana,
[26]nezilenge zegceke, neveli lomnyango wegceke elingasetabernakele nangase-altare nxazonke, nezintambo zalo, nayo yonke inkonzo yalokho.
[27]KwaKohati kwavela umndeni wama-Amramu, nomndeni wamaJisihari, nomndeni wamaHebroni, nomndeni wama-Uziyeli; yileyo eyimindeni yamaKohati.
[28]Njengokomumo wabo bonke abesilisa kusukela kwabanenyanga kuya phezulu babe yizinkulungwane eziyisishiyagalombili namakhulu ayisithupha, begcina inkonzo yendlu engcwele.
[29]Imindeni yamadodana kaKohati iyakumisa eceleni kwetabernakele ngaseningizimu.
[30]Isikhulu sendlu kayise wemindeni yamaKohati siyakuba ngu-Elisafani indodana ka-Uziyeli.

[31] Terão eles a seu cargo a arca, a mesa, o candelabro, os altares, os utensílios do santuário com que ministram, o reposteiro e todo o serviço a eles devido.

[31]Okugcinwa yibo kuyakuba ngumphongolo, netafula, nothi lwezibani, nama-altare, nezimpahla zendlu engcwele abakhonza ngazo, neveli, nayo yonke inkonzo yalokho.

[32] O príncipe dos príncipes de Levi será Eleazar, filho de Arão, o sacerdote; terá a superintendência dos que têm a seu cargo o santuário.

[32]U-Eleyazare indodana ka-Aroni umpristi uyakuba yisikhulu sezikhulu zamaLevi, abonise abagcina inkonzo yendlu engcwele.

[33] De Merari é a família dos malitas e a dos musitas; são estas as famílias de Merari.

[33]KwaMerari kwavela umndeni wamaMaheli nomndeni wamaMushi; yileyo eyimindeni yamaMerari.

[34] Todos os homens que deles foram contados, de um mês para cima, foram seis mil e duzentos.

[34]Labo ababalwayo kubo njengokomumo wabesilisa bonke kusukela kwabanenyanga kuya phezulu babe yizinkulungwane eziyisithupha namakhulu amabili.

[35] O príncipe da casa paterna das famílias de Merari será Zuriel, filho de Abiail; acampar-se-ão ao lado do tabernáculo, do lado norte.

[35]Isikhulu sendlu kayise wemindeni yamaMerari sasinguSuriyeli indodana ka-Abihayili; bayakumisa eceleni kwetabernakele ngasenyakatho.

[36] Os filhos de Merari, por designação, terão a seu cargo as tábuas do tabernáculo, as suas travessas, as suas colunas, as suas bases, todos os seus utensílios e todo o serviço a eles devido;

[36]Imfanelo emiselwe amadodana kaMerari iyakuba ngamapulangwe etabernakele, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezinyawo zalo, nezinto zonke zalo, nenkonzo yonke yalokho,

[37] também as colunas do pátio em redor, as suas bases, as suas estacas e as suas cordas.

[37]nezinsika zegceke nxazonke, nezinyawo zazo, nezikhonkwane zazo, nezintambo zazo.

[38] Os que se acamparão diante do tabernáculo, ao oriente, diante da tenda da congregação, para o lado do nascente, serão Moisés e Arão, com seus filhos, tendo a seu cargo os ritos do santuário, para cumprirem seus deveres prescritos,

[38]Labo abamisa phambi kwetabernakele ngasempumalanga, ngaphambi kwetende lokuhlangana ngasekuphumeni kwelanga, bayakuba ngoMose no-Aroni namadodana akhe, begcina inkonzo yendlu engcwele, begcina imfanelo yabantwana bakwa-

em prol dos filhos de Israel; o estranho que se aproximar morrerá.

[39] Todos os que foram contados dos levitas, contados por Moisés e Arão, por mandado do SENHOR, segundo as suas famílias, todo homem de um mês para cima, foram vinte e dois mil.

O resgate dos primogênitos

[40] Disse o SENHOR a Moisés: Conta todo primogênito varão dos filhos de Israel, cada um nominalmente, de um mês para cima,

[41] e para mim tomarás os levitas (eu sou o SENHOR) em lugar de todo primogênito dos filhos de Israel e os animais dos levitas em lugar de todo primogênito entre os animais dos filhos de Israel.

[42] Contou Moisés, como o SENHOR lhe ordenara, todo primogênito entre os filhos de Israel.

[43] Todos os primogênitos varões, contados nominalmente, de um mês para cima, segundo o censo, foram vinte e dois mil duzentos e setenta e três.

[44] Disse o SENHOR a Moisés:

[45] Toma os levitas em lugar de todo primogênito entre os filhos de Israel e os animais dos levitas em lugar dos animais dos filhos de Israel, porquanto os levitas serão meus. Eu sou o SENHOR.

Israyeli; umfokazi osondelayo uyakubulawa.

[39]Bonke ababalwayo bamaLevi ababalwa nguMose nangu-Aroni ngesiyalezo sikaJehova ngemindeni yabo, bonke abesilisa kusukela kwabanenyanga kuya phezulu, babe yizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili.

[40]UJehova wathi kuMose: Bala onke amazibulo esilisa abantwana bakwa-Israyeli kusukela kwabanenyanga kuya phezulu, ubale umumo wamagama abo.

[41]Uyakungithabathela amaLevi nginguJehova esikhundleni samazibulo onke abantwana bakwa-Israyeli, nezinkomo zamaLevi esikhundleni samazibulo onke ezinkomo zabantwana bakwa-Israyeli.

[42]UMose wabala, njengalokho uJehova emyalile, onke amazibulo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[43]Onke amazibulo esilisa njengokomumo wamagama kusukela kwabanenyanga kuya phezulu alabo ababalwayo kubo ayeyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili namakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nantathu.

[44]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[45] Thabatha amaLevi esikhundleni samazibulo onke phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli nezinkomo zamaLevi esikhundleni sezinkomo zabo, amaLevi abe ngawami; nginguJehova.

[46] Pelo resgate dos duzentos e setenta e três dos primogênitos dos filhos de Israel, que excedem o número dos levitas,

[47] tomarás por cabeça cinco siclos; segundo o siclo do santuário, os tomarás, a vinte geras o siclo.

[48] E darás a Arão e a seus filhos o dinheiro com o qual são resgatados os que são demais entre eles.

[49] Então, Moisés tomou o dinheiro do resgate dos que excederam os que foram resgatados pelos levitas.

[50] Dos primogênitos dos filhos de Israel tomou o dinheiro, mil trezentos e sessenta e cinco siclos, segundo o siclo do santuário.

[51] E deu Moisés o dinheiro dos resgatados a Arão e a seus filhos, segundo o mandado do SENHOR, como o SENHOR ordenara a Moisés.

Números 4

Deveres dos coatitas

[1] Disse o SENHOR a Moisés e a Arão:

[2] Levanta o censo dos filhos de Coate, do meio dos filhos de Levi, pelas suas famílias, segundo a casa de seus pais;

[3] da idade de trinta anos para cima até aos cinqüenta será todo aquele que entrar neste serviço, para exercer algum encargo na tenda da congregação.

[46] Ukuba kuhlengwe labo abangamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nantathu bamazibulo abantwana bakwa-Israyeli abadlula amaLevi,

[47]uyakuthabatha amashekeli ayisihlanu ngamunye ngenhloko; ngokweshekeli lendlu engcwele uyakuwathabatha ishekeli lingamagera angamashumi amabili;

[48]umnike u-Aroni namadodana akhe imali umumo wabo odlulelayo ohlengwa ngayo.

[49]UMose wayesethatha imali yokuhlenga kulabo abadlula abahlengiwe ngamaLevi;

[50]kuwo amazibulo abantwana bakwa-Israyeli wayithatha imali, amashekeli ayinkulungwane namakhulu amathathu namashumi ayisithupha nanhlanu ngokweshekeli lendlu engcwele.

[51]UMose wamnika u-Aroni namadodana akhe imali yokuhlenga njengezwi likaJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

UNumeri 4

Umsebenzi wamaLevi

[1]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

[2] Bala umumo wamadodana kaKohati phakathi kwamadodana kaLevi ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

[3] kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kufike kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena

enkonzweni ukwenza umsebenzi etendeni lokuhlangana.

[4] É este o serviço dos filhos de Coate na tenda da congregação, nas coisas santíssimas.

[4] Nanku umsebenzi wamadodana kaKohati etendeni lokuhlangana: izinto ezingcwelengcwele.

[5] Quando partir o arraial, Arão e seus filhos virão, e tirarão o véu de cobrir, e, com ele, cobrirão a arca do Testemunho;

[5]Nxa ikamu lisuka, u-Aroni uyakungena kanye namadodana akhe, behlise iveli lesihenqo, basibekele umphongolo wobufakazi ngalo,

[6] e, por cima, lhe porão uma coberta de peles finas, e sobre ela estenderão um pano, todo azul, e lhe meterão os varais.

[6]bawembese isikhumba samatahasi, bendlale phezu kwawo indwangu eluhlaza yonke, bafake izinti zawo.

[7] Também sobre a mesa da proposição estenderão um pano azul; e, sobre ela, porão os pratos, os recipientes do incenso, as taças e as galhetas; também o pão contínuo estará sobre ela.

[7] Etafuleni lezinkwa zokubukwa bayakwendlala indwangu eluhlaza, babeke kuyo izingqwembe, nezinkezo, nezinkamba, nezindebe zokuthela; nesinkwa esinganqamukiyo siyakuba phezu kwalo.

[8] Depois, estenderão, em cima deles, um pano de carmesim, e, com a coberta de peles finas, o cobrirão, e lhe porão os varais.

[8]Bayakwendlala phezu kwazo indwangu ebomvu, bayisibekele ngesikhumba samatahasi, bafake izinti zalo.

[9] Tomarão um pano azul e cobrirão o candelabro da luminária, as suas lâmpadas, os seus espevitadores, os seus apagadores e todos os seus vasos de azeite com que o servem.

[9] Bayakuthabatha indwangu eluhlaza, balusibekele uthi lwezibani, nezibani zalo, nezizenze zalo, nezitsha zalo zomlotha, nezitsha zonke zalo zamafutha abakhonza ngazo kulo;

[10] E envolverão a ele e todos os seus utensílios na coberta de peles finas e o porão sobre os varais.

[10]bayakulufaka kanye nezinto zalo zonke esikhumbeni samatahasi, babeke konke ohlakeni.

[11] Sobre o altar de ouro estenderão um pano azul, e, com a coberta de peles finas, o cobrirão, e lhe porão os varais;

[11] E-altare legolide bayakwendlala indwangu eluhlaza, bayisibekele ngesikhumba samatahasi, bafake izinti zalo.

[12] tomarão todos os utensílios do serviço com os quais servem no santuário; e os envolverão num pano azul, e os cobrirão com uma coberta de peles finas, e os porão sobre os varais.
[13] Do altar tirarão as cinzas e, por cima dele, estenderão um pano de púrpura.
[14] Sobre ele porão todos os seus utensílios com que o servem: os braseiros, os garfos, as pás e as bacias, todos os utensílios do altar; e, por cima dele, estenderão uma coberta de peles finas e lhe porão os varais.

[15] Havendo, pois, Arão e seus filhos, ao partir o arraial, acabado de cobrir o santuário e todos os móveis dele, então, os filhos de Coate virão para levá-lo; mas, nas coisas santas, não tocarão, para que não morram; são estas as coisas da tenda da congregação que os filhos de Coate devem levar.

[16] Eleazar, filho de Arão, o sacerdote, terá a seu cargo o azeite da luminária, o incenso aromático, a contínua oferta dos manjares e o óleo da unção, sim, terá a seu cargo todo o tabernáculo e tudo o que nele há, o santuário e os móveis.

[17] Disse o SENHOR a Moisés e a Arão:

[18] Não deixareis que a tribo das famílias dos coatitas seja eliminada do meio dos levitas.

[12] Bayakuthabatha zonke izitsha zokukhonza abakhonza ngazo endlini engcwele, bazifake endwangwini eluhlaza, bazisibekele ngesikhumba samatahasi, bazibeke ohlakeni.
[13] Bayakususa umlotha e-altare, bendlale kulo indwangu ebubende,
[14]babeke kuyo zonke izinto zalo abakhonza ngazo kulo, imicengezi yempepho, nezimfoloko, namafosholo, nezitsha, nezinto zonke ze-altare, bendlale phezu kwazo isimbozo sesikhumba samatahasi, bafake izinti zalo.
[15] Nxa u-Aroni namadodana akhe sebeqedile ukusibekela indlu engcwele nempahla yonke yendlu engcwele, lapho ikamu liyakusuka, emva kwalokho amadodana kaKohati ayakufika ukukuthwala, kepha awayikuthinta okungcwele, funa afe. Lezo zinto zingumthwalo wamadodana kaKohati etendeni lokuhlangana.
[16] Imfanelo ka-Eleyazare indodana ka-Aroni umpristi iyakuba ngamafutha okukhanyisa nempepho ethaphukayo, nomnikelo wempuphu wemihla yonke, namafutha okugcoba; imfanelo yakhe iyitabernakele lonke nakho konke okukulo, indlu engcwele nezinto zayo.
[17]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

[18] Ninganqumi isizwe semindeni yamaKohati kumaLevi,

[19] Isto, porém, lhe fareis, para que vivam e não morram, quando se aproximarem das coisas santíssimas: Arão e seus filhos entrarão e lhes designarão a cada um o seu serviço e a sua carga.

[20] Porém os coatitas não entrarão, nem por um instante, para ver as coisas santas, para que não morram.

Deveres dos gersonitas

[21] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[22] Levanta o censo dos filhos de Gérson, segundo a casa de seus pais, segundo as suas famílias.

[23] Da idade de trinta anos para cima até aos cinqüenta será todo aquele que entrar neste serviço, para algum encargo na tenda da congregação.

[24] É este o serviço das famílias dos gersonitas para servir e levar cargas:

[25] levarão as cortinas do tabernáculo, a tenda da congregação, sua coberta, a coberta de peles finas, que está sobre ele, o reposteiro da porta da tenda da congregação,

[26] as cortinas do pátio, o reposteiro da porta do pátio, que rodeia o tabernáculo e o altar, as suas cordas e todos os objetos do seu serviço e servirão em tudo quanto diz respeito a estas coisas.

[27] Todo o serviço dos filhos dos gersonitas, toda a sua carga e tudo o que devem fazer

[19]kepha ukuba baphile, bangafi, lapho besondela ezintweni ezingcwelengcwele, nenze kanje kubo: u-Aroni namadodana akhe bayakungena, babamise, kube yilowo nalowo emsebenzini wakhe nasemthwalweni wakhe;

[20] kepha abayikungena ukubona okungcwele nangesikhashana nje, funa bafe.

[21]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[22] Bala umumo wamadodana kaGereshoni nawo ngezindlu zawoyise nangemindeni yawo

[23]kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena enkonzweni ukwenza umsebenzi etendeni lokuhlangana.

[24] Nanku umsebenzi wemindeni yamaGereshoni ngokukhonza nangokuthwala:

[25]bayakuthwala izilenge zetabernakele, netende lokuhlangana, nesimbozo salo, nesimbozo sesikhumba samatahasi esiphezu kwalo, neveli lomnyango wetende lokuhlangana,

[26]nezilenge zegceke, neveli lomnyango wesango legceke elingasetabernakele nangase-altare nxazonke, nezintambo zakho, nezinto zonke zokukhonza kwabo; nakho konke okwenzelwa zona bayakukwenza.

[27]Ngesiyalezo sika-Aroni nangesamadodana akhe uyakwenziwa

será segundo o mandado de Arão e de seus filhos; e lhes determinareis tudo o que devem carregar.

[28] Este é o serviço das famílias dos filhos dos gersonitas na tenda da congregação; o seu cargo estará sob a direção de Itamar, filho de Arão, o sacerdote.

Deveres dos filhos de Merari

[29] Quanto aos filhos de Merari, segundo as suas famílias e segundo a casa de seus pais os contarás.

[30] Da idade de trinta anos para cima até aos cinqüenta contarás todo aquele que entrar neste serviço, para exercer algum encargo na tenda da congregação.

[31] Isto será o que é de sua obrigação levar, segundo todo o seu serviço, na tenda da congregação: as tábuas do tabernáculo, os seus varais, as suas colunas e as suas bases;

[32] as colunas do pátio em redor, as suas bases, as suas estacas e as suas cordas, com todos os seus utensílios e com tudo o que pertence ao seu serviço; e designareis, nome por nome, os objetos que devem levar.

[33] É este o encargo das famílias dos filhos de Merari, segundo todo o seu serviço, na tenda da congregação, sob a direção de Itamar, filho de Arão, o sacerdote.

Número dos coatitas

wonke umsebenzi wamadodana amaGereshoni emithwalweni yawo yonke nasemisebenzini yawo yonke; niwamisele yonke imithwalo yawo ezakugcinwa yiwo.

[28]Lowo ungumsebenzi wemindeni yamadodana amaGereshoni etendeni lokuhlangana; okugcinwa yiwo kube phansi kwesandla sika-Itamari indodana ka-Aroni umpristi.

[29] Amadodana kaMerari uwabale ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise;

[30]kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu wobabala bonke abangena emsebenzini ukwenza umsebenzi wetende lokuhlangana.

[31] Nakhu okuzakugcinwa yibo ukuba bakuthwale ngokomsebenzi wabo wonke etendeni lokuhlangana: amapulangwe etabernakele, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezinyawo zalo,

[32]nezinsika zegceke nxazonke, nezinyawo zazo, nezikhonkwane zazo, nezintambo zazo, nempahla yonke yazo, nenkonzo yonke yazo, nibamisele ngamagama impahla abafanele ukuyithwala.

[33]Lowo ungumsebenzi wemindeni yamadodana kaMerari ngokomsebenzi wabo wonke etendeni lokuhlangana phansi kwesandla sika-Itamari indodana ka-Aroni umpristi.

[34] Moisés, pois, e Arão, e os príncipes do povo contaram os filhos dos coatitas, segundo as suas famílias e segundo a casa de seus pais,

[34]OMose no-Aroni nezikhulu zenhlangano babala amadodana amaKohati ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

[35] da idade de trinta anos para cima até aos cinqüenta, todo aquele que entrou neste serviço, para exercer algum encargo na tenda da congregação.

[35]kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabeneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena emsebenzini ukukhonza etendeni lokuhlangana;

[36] Os que deles foram contados, pois, segundo as suas famílias, foram dois mil setecentos e cinqüenta.

[36]labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo babe yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisikhombisa namashumi ayisihlanu.

[37] São estes os que foram contados das famílias dos coatitas, todos os que serviam na tenda da congregação, os quais Moisés e Arão contaram, segundo o mandado do SENHOR, por Moisés.

[37]Yilabo ababalwayo bemindeni yamaKohati, bonke abakhonza etendeni lokuhlangana, ababalwa nguMose nangu-Aroni njengesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

Número dos filhos de Gérson

[38] Os que foram contados dos filhos de Gérson, segundo as suas famílias e segundo a casa de seus pais,

[38]Labo ababalwayo bamadodana kaGereshoni ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

[39] da idade de trinta anos para cima até aos cinqüenta, todo aquele que entrou neste serviço, para exercer algum encargo na tenda da congregação,

[39]kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena emsebenzini ukukhonza etendeni lokuhlangana,

[40] os que deles foram contados, segundo as suas famílias, segundo a casa de seus pais, foram dois mil seiscentos e trinta.

[40]labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise babe yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisithupha namashumi amathathu.

[41] São estes os contados das famílias dos filhos de Gérson, todos os que serviam na tenda da congregação, os quais Moisés e

[41]Yilabo ababalwayo bemindeni yamadodana kaGereshoni, bonke abakhonza etendeni lokuhlangana,

Arão contaram, segundo o mandado do SENHOR.

ababalwa nguMose nangu-Aroni njengesiyalezo sikaJehova.

Número dos filhos de Merari

[42] Os que foram contados das famílias dos filhos de Merari, segundo as suas famílias e segundo a casa de seus pais,

[42]Labo ababalwayo bemindeni yamadodana kaMerari ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

[43] da idade de trinta anos para cima até aos cinqüenta, todo aquele que entrou neste serviço, para exercer algum encargo na tenda da congregação,

[43]kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena emsebenzini ukukhonza etendeni lokuhlangana,

[44] os que deles foram contados, segundo as suas famílias, foram três mil e duzentos.

[44]labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo babe yizinkulungwane ezintathu namakhulu amabili.

[45] São estes os contados das famílias dos filhos de Merari, os quais Moisés e Arão contaram, segundo o mandado do SENHOR, por Moisés.

[45]Yilabo ababalwayo bemindeni yamadodana kaMerari ababalwa nguMose nangu-Aroni njengesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

Número de todos os levitas

[46] Todos os que foram contados dos levitas, contados por Moisés, e Arão, e os príncipes de Israel, segundo as suas famílias e segundo a casa de seus pais,

[46]Bonke ababalwayo bamaLevi ababalwa nguMose nangu-Aroni nayizikhulu zakwa-Israyeli ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise,

[47] da idade de trinta anos para cima até aos cinqüenta, todos os que entraram para cumprir a tarefa do serviço e a de levarem cargas na tenda da congregação,

[47]kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena ukwenza umsebenzi wenkonzo nomsebenzi wokuthwala etendeni lokuhlangana,

[48] os que deles foram contados foram oito mil quinhentos e oitenta.

[48]labo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane eziyisishiyagalombili namakhulu ayisihlanu namashumi ayisishiyagalombili.

[49] Segundo o mandado do SENHOR, por Moisés, foram designados, cada um para o seu serviço e a sua carga; e deles foram contados, como o SENHOR ordenara a Moisés.

[49]Njengesiyalezo sikaJehova babalwa ngesandla sikaMose, yilowo nalowo ngokomsebenzi wakhe nangokomthwalo wakhe. Base bebalwa-ke, njengalokho uJehova emyalile uMose.

Números 5

O leproso e o imundo são lançados fora do arraial

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Ordena aos filhos de Israel que lancem para fora do arraial todo leproso, todo o que padece fluxo e todo imundo por ter tocado em algum morto;

[3] tanto homem como mulher os lançareis; para fora do arraial os lançareis, para que não contaminem o arraial, no meio do qual eu habito.

[4] Os filhos de Israel fizeram assim e os lançaram para fora do arraial; como o SENHOR falara a Moisés, assim fizeram os filhos de Israel.

A lei da restituição

[5] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[6] Dize aos filhos de Israel: Quando homem ou mulher cometer algum dos pecados em que caem os homens, ofendendo ao SENHOR, tal pessoa é culpada.

[7] Confessará o pecado que cometer; e, pela culpa, fará plena restituição, e lhe acrescentará a sua quinta parte, e dará tudo àquele contra quem se fez culpado.

[8] Mas, se esse homem não tiver parente chegado, a quem possa fazer restituição pela culpa, então, o que se restitui ao SENHOR pela culpa será do sacerdote,

UNumeri 5

Imithetho yokuhlanzeka kwekamu*

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yala abantwana bakwa-Israyeli ukuba bakhiphe ekamu bonke abanochoko, nabo bonke abacucayo, nabo bonke abangcoliswe ngabafileyo,

[3] nikhiphe abesilisa nabesifazane, nibakhiphele ngaphandle kwekamu ukuba bangangcolisi ikamu engihlala phakathi kwalo.

[4]Abantwana bakwa-Israyeli benze njalo, babakhiphela ngaphandle kwekamu; njengalokho uJehova ekhulume kuMose, benze njalo-ke abantwana bakwa-Israyeli.

Isijeziso sokuphambana noJehova

[5]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[6] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Nxa owesilisa noma owesifazane enza isono esenziwa ngabantu ukuphambeka kuJehova, lowo muntu abeseba necala,

[7]uyakuvuma isono sakhe asenzileyo, alikhokhe icala lakhe ngokupheleleyo, athasisele kukho okwesihlanu, akunike lowo abenecala kuye.

[8]Kepha uma umuntu engenasihlobo elingakhokhelwa kuso icala, inkokhelo yecala eyenzelwa uJehova iyakuba ngeyompristi, ngaphandle kwenqama

além do carneiro expiatório com que se fizer expiação pelo culpado.

[9] Toda oferta de todas as coisas santas dos filhos de Israel, que trouxerem ao sacerdote, será deste

[10] e também as coisas sagradas de cada um; o que alguém der ao sacerdote será deste.

A prova da mulher suspeita de adultério

[11] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[12] Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: Se a mulher de alguém se desviar e lhe for infiel,

[13] de maneira que algum homem se tenha deitado com ela, e for oculto aos olhos de seu marido, e ela o tiver ocultado, havendo-se ela contaminado, e contra ela não houver testemunha, e não for surpreendida em flagrante,

[14] e o espírito de ciúmes vier sobre ele, e de sua mulher tiver ciúmes, por ela se haver contaminado, ou o tiver, não se havendo ela contaminado,

[15] então, esse homem trará a sua mulher perante o sacerdote e juntamente trará a sua oferta por ela: uma décima de efa de farinha de cevada, sobre a qual não deitará azeite, nem sobre ela porá incenso, porquanto é oferta de manjares de ciúmes, oferta memorativa, que traz a iniqüidade à memória.

[16] O sacerdote a fará chegar e a colocará perante o SENHOR.

yokubuyisana ayakwenzelwa ukubuyisana ngayo.

[9] Yonke iminikelo yokuphakanyiswa yezinto ezingcwele zabantwana bakwa-Israyeli abanikela ngayo kumpristi iyakuba ngeyakhe.

[10] Izinto ezingcwele zalowo nalowo ziyakuba ngezakhe; noma kungaba yini umuntu akunika umpristi, kuyakuba ngokwakhe.

Imithetho yomfazi ophingayo

[11] UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[12] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Uma umfazi womuntu eduka, aphambuke kuye,

[13] alale nenye indoda kusithekile emehlweni endoda yakhe, kufihlwe, angcoliswe, kungekho fakazi nokho ngaye, futhi engabanjwanga,

[14] afikelwe ngumoya wesikhwele, abenesikhwele ngomkakhe, yena engcolisiwe, noma efikelwe ngumoya wesikhwele, abenesikhwele ngomkakhe kodwa yena engangcoliswanga,

[15] indoda iyakuletha umkayo kumpristi, imlethele umnikelo wakhe, ube ngokweshumi kwe-efa lempuphu yebhali, angatheli mafutha kuyo, angabeki nanhlaka kuyo, ngokuba kungumnikelo wempuphu wesikhwele, umnikelo wempuphu wesikhumbuzo sokukhumbuza ngobubi.

[16] Umpristi uyakumsondeza, ambeke phambi kukaJehova,

[17] O sacerdote tomará água santa num vaso de barro; também tomará do pó que houver no chão do tabernáculo e o deitará na água.

[17]umpristi athathe amanzi angcwele esitsheni sebumba, athathe kulo uthuli oluphansi etabernakele, alufake emanzini,

[18] Apresentará a mulher perante o SENHOR e soltará a cabeleira dela; e lhe porá nas mãos a oferta memorativa de manjares, que é a oferta de manjares dos ciúmes. A água amarga, que traz consigo a maldição, estará na mão do sacerdote.

[18]umpristi ambeke owesifazane phambi kukaJehova, athukulule izinwele zekhanda lowesifazane, afake umnikelo wempuphu wesikhumbuzo ezandleni zakhe, ongumnikelo wempuphu wesikhwele; umpristi abe namanzi ababayo esandleni sakhe aveza isiqalekiso.

[19] O sacerdote a conjurará e lhe dirá: Se ninguém contigo se deitou, e se não te desviaste para a imundícia, estando sob o domínio de teu marido, destas águas amargas, amaldiçoantes, serás livre.

[19]Umpristi amfungise, athi kowesifazane: Uma kungalalanga ndoda nawe, ungadukelanga ekungcoleni usephansi kwendoda yakho, mawukhululeke kulawa manzi ababayo aveza isiqalekiso;

[20] Mas, se te desviaste, quando sob o domínio de teu marido, e te contaminaste, e algum homem, que não é o teu marido, se deitou contigo

[20]kepha uma udukile usephansi kwendoda yakho, futhi ungcolisiwe, kulale nawe enye indoda ngaphandle kwendoda yakho,

[21] (então, o sacerdote fará que a mulher tome o juramento de maldição e lhe dirá), o SENHOR te ponha por maldição e por praga no meio do teu povo, fazendo-te o SENHOR descair a coxa e inchar o ventre;

[21]umpristi uyakufungisa owesifazane ngesifungo sesiqalekiso, umpristi athi kowesifazane: UJehova makakwenze isiqalekiso nesifungo phakathi kwabantu bakini, lapho uJehova eshwabanisa ithanga lakho, avuvukalise isisu sakho.

[22] e esta água amaldiçoante penetre nas tuas entranhas, para te fazer inchar o ventre e te fazer descair a coxa. Então, a mulher dirá: Amém! Amém!

[22]Lawa manzi aveza isiqalekiso ayakungena ezibilini zakho, avuvukalise isisu sakho, ashwabanise ithanga lakho. Owesifazane uyakuthi: Amen! Amen!

[23] O sacerdote escreverá estas maldições num livro e, com a água amarga, as apagará.

[23] Umpristi uyakubala lezi ziqalekiso encwadini, azesule ngamanzi ababayo,

[24] E fará que a mulher beba a água amarga, que traz consigo a maldição; e, sendo bebida, lhe causará amargura.

[24]aphuzise owesifazane amanzi ababayo aveza isiqalekiso; amanzi aveza isiqalekiso ayakungena kuye, ababe.

[25] Da mão da mulher tomará o sacerdote a oferta de manjares de ciúmes e a moverá perante o SENHOR; e a trará ao altar.

[25]Umpristi uyakuthatha umnikelo wempuphu wesikhwele esandleni sowesifazane, azulise umnikelo wempuphu phambi kukaJehova, awulethe e-altare;

[26] Tomará um punhado da oferta de manjares, da oferta memorativa, e sobre o altar o queimará; e, depois, dará a beber a água à mulher.

[26]umpristi uyakucaphuna ukhweshe womnikelo wempuphu, ube yisikhumbuzo sawo, awushise e-altare, andukuba amphuzise owesifazane amanzi.

[27] E, havendo-lhe dado a beber a água, será que, se ela se tiver contaminado, e a seu marido tenha sido infiel, a água amaldiçoante entrará nela para amargura, e o seu ventre se inchará, e a sua coxa descairá; a mulher será por maldição no meio do seu povo.

[27]Nxa esemphuzisile amanzi, kuyakuthi uma engcolisiwe waphambuka endodeni yakhe, amanzi aveza isiqalekiso angene kuye, ababe, isisu sakhe sivuvukale, ithanga lakhe lishwabane, owesifazane aqalekiswe phakathi kwabantu bakubo.

[28] Se a mulher se não tiver contaminado, mas estiver limpa, então, será livre e conceberá.

[28]Kepha uma owesifazane engangcolisiwe kodwa ehlambulukile, uyakukhululeka, athole inzalo.

[29] Esta é a lei para o caso de ciúmes, quando a mulher, sob o domínio de seu marido, se desviar e for contaminada;

[29] Lowo ungumthetho wesikhwele, lapho umfazi esephansi kwendoda yakhe eduka, angcoliswe,

[30] ou quando sobre o homem vier o espírito de ciúmes, e tiver ciúmes de sua mulher, apresente a mulher perante o SENHOR, e o sacerdote nela execute toda esta lei.

[30]noma lapho indoda ifikelwa ngumoya wesikhwele, ibe nesikhwele ngomkayo; khona iyakumbeka owesifazane phambi kukaJehova, umpristi agcine wonke lo mthetho kuye.

[31] O homem será livre da iniqüidade, porém a mulher levará a sua iniqüidade.

[31]Indoda iyakukhululeka ebubini, kepha owesifazane uyakubuthwala ububi bakhe.

Números 6

A lei do nazireado

UNumeri 6

Isithembiso somNaziri*

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: Quando alguém, seja homem seja mulher, fizer voto especial, o voto de nazireu, a fim de consagrar-se para o SENHOR,

[3] abster-se-á de vinho e de bebida forte; não beberá vinagre de vinho, nem vinagre de bebida forte, nem tomará beberagens de uvas, nem comerá uvas frescas nem secas.

[4] Todos os dias do seu nazireado não comerá de coisa alguma que se faz da vinha, desde as sementes até às cascas.

[5] Todos os dias do seu voto de nazireado não passará navalha pela cabeça; até que se cumpram os dias para os quais se consagrou ao SENHOR, santo será, deixando crescer livremente a cabeleira.

[6] Todos os dias da sua consagração para o SENHOR, não se aproximará de um cadáver.

[7] Por seu pai, ou por sua mãe, ou por seu irmão, ou por sua irmã, por eles se não contaminará, quando morrerem; porquanto o nazireado do seu Deus está sobre a sua cabeça.

[8] Por todos os dias do seu nazireado, santo será ao SENHOR.

[9] Se alguém vier a morrer junto a ele subitamente, e contaminar a cabeça do seu nazireado, rapará a cabeça no dia da sua purificação; ao sétimo dia, a rapará.

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa owesilisa noma owesifazane enza isithembiso esithile, isithembiso somNaziri, ukuzahlukanisela kuJehova,

[3]uyakuzahlukanisa newayini nophuzo olunamandla, angaphuzi uviniga wewayini, noviniga wophuzo olunamandla, angaphuzi okwezithelo zomvini, futhi angadli izithelo zomvini ezimanzi nezomileyo.

[4]Zonke izinsuku zobuNaziri bakhe akayikudla lutho olwenziwe ngewayini lezithelo zomvini, kusukela ezimbumbulwini kuze kufike emakhasini.

[5] Zonke izinsuku zesithembiso sakhe sobuNaziri kungasondeli mpuco ekhanda lakhe; uyakuba ngcwele zize ziphelele izinsuku azahlukanisela ngazo kuJehova, avume isihluthu sezinwele zekhanda lakhe sibe side.

[6]Zonke izinsuku engumNaziri kaJehova akayikusondela esidumbini.

[7]Akayikuzingcolisa ngoyise noma ngonina, noma ngomfowabo noma ngodadewabo, nxa befile, ngokuba isithembiso sakhe sobuNaziri sisekhanda lakhe.

[8]Zonke izinsuku zobuNaziri bakhe ungcwele kuJehova.

[9] Uma umuntu efa ngokuzumayo eceleni kwakhe, angcolise ikhanda lobuNaziri bakhe, uyakuphucula ikhanda lakhe

[10] Ao oitavo dia, trará duas rolas ou dois pombinhos ao sacerdote, à porta da tenda da congregação;

[11] o sacerdote oferecerá um como oferta pelo pecado e o outro, para holocausto; e fará expiação por ele, visto que pecou relativamente ao morto; assim, naquele mesmo dia, consagrará a sua cabeça.

[12] Então, consagrará os dias do seu nazireado ao SENHOR e, para oferta pela culpa, trará um cordeiro de um ano; os dias antecedentes serão perdidos, porquanto o seu nazireado foi contaminado.

[13] Esta é a lei do nazireu: no dia em que se cumprirem os dias do seu nazireado, será trazido à porta da tenda da congregação.

[14] Ele apresentará a sua oferta ao SENHOR, um cordeiro de um ano, sem defeito, em holocausto, e uma cordeira de um ano, sem defeito, para oferta pelo pecado, e um carneiro, sem defeito, por oferta pacífica,

[15] e um cesto de pães asmos, bolos de flor de farinha com azeite, amassados, e obreias asmas untadas com azeite, como também a sua oferta de manjares e as suas libações.

ngosuku lokuhlanjululwa kwakhe, aliphucule ngosuku lwesikhombisa.

[10]Ngosuku lwesishiyagalombili uyakuletha amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba kumpristi ngasemnyango wetende lokuhlangana;

[11]umpristi uyakunikela ngelinye libe ngumnikelo wesono nangelinye libe ngumnikelo wokushiswa, amenzele ukubuyisana, ngokuba wona ngenxa yofileyo; abesengcwelisa ikhanda lakhe ngalolo suku.

[12]Uyakwahlukanisela kuJehova izinsuku zobuNaziri bakhe, alethe imvu yeduna enomnyaka munye, ibe ngumnikelo wecala; kepha izinsuku zakuqala ziyakuba yize, ngokuba ubuNaziri bakhe bungcolisiwe.

[13] Nanku umthetho womNaziri lapho izinsuku zobuNaziri bakhe seziphelele wokuthi uyakulethwa emnyango wetende lokuhlangana,

[14]anikele ngomnikelo wakhe kuJehova, imvu yeduna enomnyaka munye engenasici ibe ngumnikelo wokushiswa, neyensikazi enomnyaka munye engenasici ibe ngumnikelo wesono, nenqama engenasici ibe ngumnikelo wokuthula,

[15]neqoma lesinkwa esingenamvubelo, amaqebelengwane empuphu ecolekileyo exovwe namafutha, nemiqathane engenamvubelo, egcotshwe ngamafutha, nomnikelo wempuphu nowokuphuzwa walokho.

[16] O sacerdote os trará perante o SENHOR e apresentará a sua oferta pelo pecado e o seu holocausto;

[17] oferecerá o carneiro em sacrifício pacífico ao SENHOR, com o cesto dos pães asmos; o sacerdote apresentará também a devida oferta de manjares e a libação.

[18] O nazireu, à porta da tenda da congregação, rapará a cabeleira do seu nazireado, e tomá-la-á, e a porá sobre o fogo que está debaixo do sacrifício pacífico.

[19] Depois, o sacerdote tomará a espádua cozida do carneiro, e um bolo asmo do cesto, e uma obreia asma e os porá nas mãos do nazireu, depois de haver este rapado a cabeleira do seu nazireado.

[20] O sacerdote os moverá em oferta movida perante o SENHOR; isto é santo para o sacerdote, juntamente com o peito da oferta movida e com a coxa da oferta; depois disto, o nazireu pode beber vinho.

[21] Esta é a lei do nazireu que fizer voto; a sua oferta ao SENHOR será segundo o seu nazireado, afora o que as suas posses lhe permitirem; segundo o voto que fizer, assim fará conforme a lei do seu nazireado.

A bênção sacerdotal

[22] Disse o SENHOR a Moisés:

[16] Umpristi uyakukuletha phambi kukaJehova, anikele ngomnikelo wakhe wesono nangowokushiswa wakhe.

[17]Uyakunikela ngenqama ibe ngumhlatshelo womnikelo wokuthula kaJehova kanye neqoma lesinkwa esingenamvubelo; futhi umpristi anikele ngomnikelo wayo wempuphu nangomnikelo wayo wokuphuzwa.

[18] UmNaziri uyakuphucula ikhanda lobuNaziri bakhe ngasemnyango wetende lokuhlangana, athathe izinwele zekhanda lobuNaziri bakhe, azibeke emlilweni ophansi komhlatshelo weminikelo yokuthula.

[19] Umpristi uyakuthabatha umkhono ophekiweyo wenqama, neqebelengwane eqomeni, nomqathane ongenamvubelo, akufake ezandleni zomNaziri, nxa esephuculile ubuNaziri bakhe,

[20] umpristi akuzulise, kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova; lokhu kungcwele kumpristi kanye nesifuba sokuzuliswa nethanga lokuphakanyiswa; emva kwalokho umNaziri angaphuza iwayini.

[21] Lowo ungumthetho womNaziri owenzile isithembiso nowomnikelo wakhe kuJehova ngenxa yobuNaziri bakhe, ngaphandle kokunye angaphumelela kukho; njengesithembiso sakhe asenzayo uyakwenza kanjalo njengomthetho wobuNaziri.

[22]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[23] Fala a Arão e a seus filhos, dizendo: Assim abençoareis os filhos de Israel e dir-lhes-eis:
[24] O SENHOR te abençoe e te guarde;
[25] o SENHOR faça resplandecer o rosto sobre ti e tenha misericórdia de ti;
[26] o SENHOR sobre ti levante o rosto e te dê a paz.

[27] Assim, porão o meu nome sobre os filhos de Israel, e eu os abençoarei.

[23] Yisho ku-Aroni nakumadodana akhe, uthi: Niyakubusisa kanje abantwana bakwa-Israyeli, niyakusho kubo, nithi:
[24] UJehova makakubusise, akulondoloze;
[25]uJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe;
[26]uJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.
[27] Bayakubeka kanjalo igama lami kubantwana bakwa-Israyeli, mina ngibabusise.

Números 7

As ofertas dos príncipes na dedicação do altar

[1] No dia em que Moisés acabou de levantar o tabernáculo, e o ungiu, e o consagrou e todos os seus utensílios, bem como o altar e todos os seus pertences,

[2] os príncipes de Israel, os cabeças da casa de seus pais, os que foram príncipes das tribos, que haviam presidido o censo, ofereceram

[3] e trouxeram a sua oferta perante o SENHOR: seis carros cobertos e doze bois; cada dois príncipes ofereceram um carro, e cada um deles, um boi; e os apresentaram diante do tabernáculo.

[4] Disse o SENHOR a Moisés:
[5] Recebe-os deles, e serão destinados ao serviço da tenda da congregação; e os darás aos levitas, a cada um segundo o seu serviço.
[6] Moisés recebeu os carros e os bois e os deu aos levitas.

UNumeri 7

Izipho zezikhulu ezinikelelwa ithempeli

[1] Kwathi ngosuku uMose aqeda ngalo ukumisa itabernakele, waligcoba, walingcwelisa kanye nayo yonke impahla yalo, ne-altare, nazo zonke izitsha zalo, wazigcoba, wazingcwelisa,
[2]izikhulu zakwa-Israyeli, izinhloko zezindlu zawoyise zanikela; lezo zaziyizikhulu zezizwe, zazibekwe phezu kwababalwayo.
[3]Zaletha iminikelo yazo phambi kukaJehova, izinqola eziyisithupha ezimboziwe, nezinkabi eziyishumi nambili, yilezo zikhulu ezimbili zinenqola inye, yileso sinenkunzi; zazethula phambi kwetabernakele.
[4]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:
[5] Zamukele kuzo, ukuze zenze inkonzo yetende lokuhlangana, uzinike amaLevi, kube yilowo nalowo muntu ngokomsebenzi wakhe.
[6]UMose wathatha izinqola nezinkabi, wazinika amaLevi.

[7] Dois carros e quatro bois deu aos filhos de Gérson, segundo o seu serviço;

[8] quatro carros e oito bois deu aos filhos de Merari, segundo o seu serviço, sob a direção de Itamar, filho de Arão, o sacerdote.

[9] Mas aos filhos de Coate nada deu, porquanto a seu cargo estava o santuário, que deviam levar aos ombros.

[10] Ofereceram os príncipes para a consagração do altar, no dia em que foi ungido; sim, apresentaram a sua oferta perante o altar.

[11] Disse o SENHOR a Moisés: Cada príncipe apresentará, no seu dia, a sua oferta para a consagração do altar.

[12] O que, pois, no primeiro dia, apresentou a sua oferta foi Naassom, filho de Aminadabe, pela tribo de Judá.

[13] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[14] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[7]Izinqola ezimbili nezinkabi ezine wazinika amadodana kaGereshoni ngomsebenzi wawo,

[8]nezinqola ezine nezinkabi eziyisishiyagalombili wazinika amadodana kaMerari ngomsebenzi wawo phansi kwesandla sika-Itamari indodana ka-Aroni umpristi.

[9]Kepha amadodana kaKohati akawanikanga lutho, ngokuba inkonzo yendlu engcwele yayiyiwo eyawo; ayithwala emahlombe awo.

[10]Izikhulu zanikelela ukwahlukaniselwa kwe-altare ngosuku lokugcotshwa kwalo, izikhulu zanikela ngomnikelo wazo phambi kwe-altare.

[11]UJehova wathi kuMose: Izikhulu ziyakunikela ngomnikelo wazo, yileso naleso ngosuku lwaso, ube ngowahlukaniselwa kwe-altare.

[12]Owanikela ngomnikelo wakhe ngosuku lokuqala nguNaheshoni indodana ka-Aminadaba, owesizwe sakwaJuda.

[13]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[14]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[15] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[16] um bode, para oferta pelo pecado;

[17] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Naassom, filho de Aminadabe.

[18] No segundo dia, fez a sua oferta Natanael, filho de Zuar, príncipe de Issacar.

[19] Como sua oferta apresentou um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[20] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[21] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[22] um bode, para oferta pelo pecado;

[23] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Natanael, filho de Zuar.

[15]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[16]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[17]Okomhlatshelo kweminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaNaheshoni indodana ka-Aminadaba.

[18]Ngosuku lwesibili kwanikela uNethaneli indodana kaSuwari, isikhulu sakwa-Isakare.

[19]Wanikela kwaba ngumnikelo wakhe uqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[20]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[21]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[22]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[23]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho

kwakungumnikelo kaNethaneli indodana kaSuwari.

[24] No terceiro dia, chegou o príncipe dos filhos de Zebulom, Eliabe, filho de Helom.

[24]Ngosuku lwesithathu ngu-Eliyabe indodana kaHeloni, isikhulu sabantwana bakwaZebuloni.

[25] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[25]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[26] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[26]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[27] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[27]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[28] um bode, para oferta pelo pecado;

[28]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[29] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Eliabe, filho de Helom.

[29]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Eliyabe indodana kaHeloni.

[30] No quarto dia, chegou o príncipe dos filhos de Rúben, Elizur, filho de Sedeur.

[30]Ngosuku lwesine ngu-Elisuri indodana kaShedewuri, isikhulu sabantwana bakwaRubeni.

[31] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha,

[31]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa

amassada com azeite, para oferta de manjares;

ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

32 um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

32nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

33 um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

33neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

34 um bode, para oferta pelo pecado;

34nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

35 e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Elizur, filho de Sedeur.

35Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Elisuri indodana kaShedewuri.

36 No quinto dia, chegou o príncipe dos filhos de Simeão, Selumiel, filho de Zurisadai.

36Ngosuku lwesihlanu nguShelumiyeli indodana kaSurishadayi, isikhulu sabantwana bakwaSimeyoni.

37 A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

37Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

38 um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

38nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

39 um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

39neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

40 um bode, para oferta pelo pecado;

40nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[41] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Selumiel, filho de Zurisadai.

[42] No sexto dia, chegou o príncipe dos filhos de Gade, Eliasafe, filho de Deuel.

[43] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[44] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[45] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[46] um bode, para oferta pelo pecado;

[47] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Eliasafe, filho de Deuel.

[48] No sétimo dia, chegou o príncipe dos filhos de Efraim, Elisama, filho de Amiúde.

[41]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaShelumiyeli indodana kaSurishadayi.

[42]Ngosuku lwesithupha ngu-Eliyasafa indodana kaDehuweli, isikhulu sabantwana bakwaGadi.

[43]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[44]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[45]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[46]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[47]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Eliyasafa indodana kaDehuweli.

[48]Ngosuku lwesikhombisa ngu-Elishama indodana ka-Amihudi, isikhulu sabantwana bakwa-Efrayimi.

[49] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[50] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[51] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[52] um bode, para oferta pelo pecado;

[53] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Elisama, filho de Amiúde.

[54] No oitavo dia, chegou o príncipe dos filhos de Manassés, Gamaliel, filho de Pedazur.

[55] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[56] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[49]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[50]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[51]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[52]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[53]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Elishama indodana ka-Amihudi.

[54]Ngosuku lwesishiyagalombili nguGamaliyeli indodana kaPedasuri, isikhulu sabantwana bakwaManase.

[55]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[56]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[57] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[58] um bode, para oferta pelo pecado;

[59] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Gamaliel, filho de Pedazur.

[60] No dia nono, chegou o príncipe dos filhos de Benjamim, Abidã, filho de Gideoni.

[61] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[62] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[63] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[64] um bode, para oferta pelo pecado;

[65] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Abidã, filho de Gideoni.

[57]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[58]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[59]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyishlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaGamaliyeli indodana kaPedasuri.

[60]Ngosuku lwesishiyagalolunye ngu-Abidani indodana kaGideyoni, isikhulu sabantwana bakwaBenjamini.

[61]Unikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[62]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[63]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[64]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[65]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho

[66] No décimo dia, chegou o príncipe dos filhos de Dã, Aiezer, filho de Amisadai.

[67] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

[68] um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

[69] um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

[70] um bode, para oferta pelo pecado;

[71] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Aiezer, filho de Amisadai.

[72] No dia undécimo, chegou o príncipe dos filhos de Aser, Pagiel, filho de Ocrã.

[73] A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha,

kwakungumnikelo ka-Abidani indodana kaGideyoni.

[66]Ngosuku lweshumi ngu-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi, isikhulu sabantwana bakwaDani.

[67]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

[68]nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

[69]neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

[70]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[71]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi.

[72]Ngosuku lweshumi nanye nguPagiyeli indodana ka-Okirani, isikhulu sabantwana bakwa-Asheri.

[73]Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa

amassada com azeite, para oferta de manjares;

74 um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

75 um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

76 um bode, para oferta pelo pecado;

77 e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Pagiel, filho de Ocrã.

78 No duodécimo dia, chegou o príncipe dos filhos de Naftali, Aira, filho de Enã.

79 A sua oferta foi um prato de prata, do peso de cento e trinta siclos, uma bacia de prata, de setenta siclos, segundo o siclo do santuário; ambos cheios de flor de farinha, amassada com azeite, para oferta de manjares;

80 um recipiente de dez siclos de ouro, cheio de incenso;

81 um novilho, um carneiro, um cordeiro de um ano, para holocausto;

82 um bode, para oferta pelo pecado;

ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

74nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

75neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

76nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

77Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaPagiyeli indodana ka-Okirani.

78Ngosuku lweshumi nambili ngu-Ahira indodana ka-Enani, isikhulu sabantwana bakwaNafetali.

79Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

80nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

81neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

82nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

[83] e, para sacrifício pacífico, dois bois, cinco carneiros, cinco bodes, cinco cordeiros de um ano; foi esta a oferta de Aira, filho de Enã.

[84] Esta é a dádiva feita pelos príncipes de Israel para a consagração do altar, no dia em que foi ungido: doze pratos de prata, doze bacias de prata, doze recipientes de ouro;

[85] cada prato de prata, de cento e trinta siclos, e cada bacia, de setenta; toda a prata dos utensílios foi de dois mil e quatrocentos siclos, segundo o siclo do santuário;

[86] doze recipientes de ouro cheios de incenso, cada um de dez siclos, segundo o siclo do santuário; todo o ouro dos recipientes foi de cento e vinte siclos;

[87] todos os animais para o holocausto foram doze novilhos; carneiros, doze; doze cordeiros de um ano, com a sua oferta de manjares; e doze bodes para oferta pelo pecado.

[88] E todos os animais para o sacrifício pacífico foram vinte e quatro novilhos; os

[83]Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Ahira indodana ka-Enani.

[84]Lokho kwakungukwahlukaniselwa kwe-altare ngosuku lokugcotshwa kwalo ngezandla zezikhulu zakwa-Israyeli: izingqwembe eziyishumi nambili zesiliva, nezinkamba eziyishumi nambili zesiliva, nezinkezo eziyishumi nambili zegolide,

[85]yilolo nalolo qwembe lwesiliva lungamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, yilolo nalolo khamba lungamashumi ayisikhombisa, lonke isiliva lezitsha libe yizinkulungwane ezimbili namakhulu amane ngokweshekeli lendlu engcwele,

[86]nezinkezo zegolide eziyishumi nambili ezigcwele impepho, yileyo naleyo ingamashekeli ayishumi ngokweshekeli lendlu engcwele; lonke igolide lezinkezo lalingamashekeli ayikhulu namashumi amabili;

[87]zonke izinkomo zomnikelo wokushiswa zaziyizinkunzi eziyishumi nambili, nezinqama eziyishumi nambili, nezimvu zamaduna ezinomnyaka munye eziyishumi nambili kanye nomnikelo wazo wempuphu, nezimpongo zomnikelo wesono eziyishumi nambili;

[88]izinkomo zonke zomhlatshelo weminikelo yokuthula zaziyizinkunzi

carneiros, sessenta; os bodes, sessenta; os cordeiros de um ano, sessenta; esta é a dádiva para a consagração do altar, depois que foi ungido.

ezingamashumi amabili nane, nezinqama ezingamashumi ayisithupha, nezimpongo ezingamashumi ayisithupha, nezimvu zamaduna ezingamashumi ayisithupha. Lokho kwakungukwahlukaniselwa kwe-altare; lapho lase ligcotshiwe.

89 Quando entrava Moisés na tenda da congregação para falar com o SENHOR, então, ouvia a voz que lhe falava de cima do propiciatório, que está sobre a arca do Testemunho entre os dois querubins; assim lhe falava.

89Nanxa uMose engena etendeni lokuhlangana ukuba akhulume naye, wezwa izwi likhuluma kuye, livela ngaphezu kwesihlalo somusa esisemphongolweni wobufakazi ngaphakathi kwamakherubi omabili; wayesekhuluma kuye.

Números 8

As sete lâmpadas do santuário

1 Disse o SENHOR a Moisés:

2 Fala a Arão e dize-lhe: Quando colocares as lâmpadas, seja de tal maneira que venham as sete a alumiar defronte do candelabro.

3 E Arão fez assim; colocou as lâmpadas para que alumiassem defronte do candelabro, como o SENHOR ordenara a Moisés.

4 O candelabro era feito de ouro batido desde o seu pedestal até às suas flores; segundo o modelo que o SENHOR mostrara a Moisés, assim ele fez o candelabro.

A consagração dos levitas

5 Disse mais o SENHOR a Moisés:

6 Toma os levitas do meio dos filhos de Israel e purifica-os;

UNumeri 8

Izibani zasothini

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho ku-Aroni, uthi kuye: Nxa ubeka izibani, izibani eziyisikhombisa mazikhanyise ngaphambi kothi lwezibani.

3U-Aroni wenze njalo; wabeka izibani zalo ukuba zikhanyise ngaphambi kothi lwezibani, njengalokho uJehova emyalile uMose.

4 Nanku umsebenzi wothi lwezibani, umsebenzi wegolide elikhandiweyo: kuze kube sesinqeni salo nasezimbalini zalo kwakungumsebenzi okhandiweyo; njengesifanekiso uJehova asibonise uMose, wenze njalo uthi lwezibani.

Ukumiswa kwamaLevi

5UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

6 Thabatha amaLevi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, ubahlambulule.

[7] assim lhes farás, para os purificar: asperge sobre eles a água da expiação; e sobre todo o seu corpo farão passar a navalha, lavarão as suas vestes e se purificarão;

[8] e tomarão um novilho, com a sua oferta de manjares de flor de farinha, amassada com azeite; tu, porém, tomarás outro novilho para oferta pelo pecado.

[9] Farás chegar os levitas perante a tenda da congregação; e ajuntarás toda a congregação dos filhos de Israel.

[10] Quando, pois, fizerem chegar os levitas perante o SENHOR, os filhos de Israel porão as mãos sobre eles.

[11] Arão apresentará os levitas como oferta movida perante o SENHOR, da parte dos filhos de Israel; e serão para o serviço do SENHOR.

[12] Os levitas porão as mãos sobre a cabeça dos novilhos; e tu sacrificarás um para oferta pelo pecado e o outro para holocausto ao SENHOR, para fazer expiação pelos levitas.

[13] Porás os levitas perante Arão e perante os seus filhos e os apresentarás por oferta movida ao SENHOR.

[14] E separarás os levitas do meio dos filhos de Israel; os levitas serão meus.

[15] Depois disso, entrarão os levitas para fazerem o serviço da tenda da congregação; e tu os purificarás e, por oferta movida, os apresentarás,

[7]Uyakwenza kanje kubo ukuba ubahlambulule: fafaza amanzi okuphothula, baziphucule umzimba wonke, bahlanze izingubo zabo, bazihlambulule.

[8]Bathabathe iduna nomnikelo walo wempuphu, impuphu ecolekileyo exovwe namafutha; nelinye iduna uyakulithabatha libe ngumnikelo wesono.

[9]Uyakuletha amaLevi phambi kwetende lokuhlangana, ubuthe yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli,

[10]ulethe amaLevi phambi kukaJehova; abantwana bakwa-Israyeli babeke izandla zabo phezu kwamaLevi,

[11]u-Aroni azulise amaLevi phambi kukaJehova abe ngumnikelo wokuzuliswa ovela kubantwana bakwa-Israyeli, aze asebenze umsebenzi kaJehova.

[12] AmaLevi ayakubeka izandla zawo ezinhloko zezinkunzi, wena unikele ngenye ibe ngumnikelo wesono, enye ibe ngumnikelo wokushiswa kuJehova ukwenzela amaLevi ukubuyisana.

[13]Uyakubeka amaLevi phambi kuka-Aroni naphambi kwamadodana akhe, unikele ngawo abe ngumnikelo wokuzuliswa kuJehova.

[14] Uyakwahlukanisa amaLevi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, amaLevi abe ngawami.

[15] Emva kwalokho amaLevi ayakungena ukwenza inkonzo yetende lokuhlangana; uyakuwahlambulula, unikele ngawo abe ngumnikelo wokuzuliswa.

[16] porquanto eles dentre os filhos de Israel me são dados; em lugar de todo aquele que abre a madre, do primogênito de cada um dos filhos de Israel, para mim os tomei.

[17] Porque meu é todo primogênito entre os filhos de Israel, tanto de homens como de animais; no dia em que, na terra do Egito, feri todo primogênito, os consagrei para mim.

[18] Tomei os levitas em lugar de todo primogênito entre os filhos de Israel.

[19] E os levitas, dados a Arão e a seus filhos, dentre os filhos de Israel, entreguei-os para fazerem o serviço dos filhos de Israel na tenda da congregação e para fazerem expiação por eles, para que não haja praga entre o povo de Israel, chegando-se os filhos de Israel ao santuário.

[20] E assim fez Moisés, e Arão, e toda a congregação dos filhos de Israel com os levitas; segundo tudo o que o SENHOR ordenara a Moisés acerca dos levitas, assim lhes fizeram os filhos de Israel.

[21] Os levitas se purificaram e lavaram as suas vestes, e Arão os apresentou por oferta movida perante o SENHOR e fez expiação por eles, para purificá-los.

[16]Ngokuba mina nginikiwe wona phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; esikhundleni sakho konke okuvula isizalo, amazibulo abo bonke abantwana bakwa-Israyeli, ngizithabathele wona.

[17]Ngokuba onke amazibulo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli angawami, awabantu nawezilwane; mhla ngishaya amazibulo onke ezweni laseGibithe ngazingcwelisela wona.

[18]Ngithabathile amaLevi esikhundleni samazibulo onke abantwana bakwa-Israyeli.

[19] Ngiwanikile amaLevi abe yisipho sika-Aroni nesamadodana akhe esivela kubantwana bakwa-Israyeli ukusebenza umsebenzi wabantwana bakwa-Israyeli etendeni lokuhlangana nokwenzela abantwana bakwa-Israyeli ukubuyisana, ukuze kungabikho sifo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, lapho abantwana bakwa-Israyeli besondela endlini engcwele.

[20]Benze njalo-ke oMose no-Aroni nayo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli kumaLevi; njengakho konke uJehova amyala ngakho uMose ngamaLevi, benze njalo kuwo abantwana bakwa-Israyeli.

[21]AmaLevi aziphothula, ahlanza izingubo zawo; u-Aroni wanikela ngawo abe ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova; u-Aroni wawenzela ukubuyisana ukuwahlambulula.

[22] Depois disso, chegaram os levitas, para fazerem o seu serviço na tenda da congregação, perante Arão e seus filhos; como o SENHOR ordenara a Moisés acerca dos levitas, assim lhes fizeram.

[23] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[24] Isto é o que toca aos levitas: da idade de vinte e cinco anos para cima entrarão, para fazerem o seu serviço na tenda da congregação;

[25] mas desde a idade de cinqüenta anos desobrigar-se-ão do serviço e nunca mais servirão;

[26] porém ajudarão aos seus irmãos na tenda da congregação, no tocante ao cargo deles; não terão mais serviço. Assim farás com os levitas quanto aos seus deveres.

[22]Emva kwalokho amaLevi angena ukwenza umsebenzi wawo etendeni lokuhlangana phambi kuka-Aroni naphambi kwamadodana akhe; njengalokho uJehova emyalile uMose ngamaLevi, benze njalo-ke kuwo.

[23]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[24] Yilokhu okungokwamaLevi: kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili nanhlanu kuya phezulu ayakungena ukugcina umsebenzi wenkonzo yetende lokuhlangana:

[25]kusukela kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu bayakuphuma emsebenzini wenkonzo, bangabe besakhonza;

[26]kodwa bayakukhonza kanye nabafowabo etendeni lokuhlangana, bagcine imfanelo kepha bangabe besakhonza. Uyakwenze njalo kumaLevi ngezimfanelo zawo.

Números 9

A celebração da Páscoa

[1] Falou o SENHOR a Moisés no deserto do Sinai, no ano segundo da sua saída da terra do Egito, no mês primeiro, dizendo:

[2] Celebrem os filhos de Israel a Páscoa a seu tempo.

[3] No dia catorze deste mês, ao crepúsculo da tarde, a seu tempo a celebrareis; segundo todos os seus estatutos e segundo todos os seus ritos, a celebrareis.

UNumeri 9

Iphasika lasehlane

[1]UJehova wakhuluma kuMose ehlane laseSinayi ngenyanga yokuqala yomnyaka wesibili, sebephumile ezweni laseGibithe, wathi:

[2] Futhi abantwana bakwa-Israyeli bayakugcina iphasika ngesikhathi salo esinqunyiweyo.

[3] Ngosuku lweshumi nane lwaleyo nyanga ngakusihlwa niyakuligcina ngesikhathi salo esinqunyiweyo; ngokwezimiso zalo zonke nangokwemithetho yalo anoligcina.

4 Disse, pois, Moisés aos filhos de Israel que celebrassem a Páscoa.

5 Então, celebraram a Páscoa no dia catorze do mês primeiro, ao crepúsculo da tarde, no deserto do Sinai; segundo tudo o que o SENHOR ordenara a Moisés, assim fizeram os filhos de Israel.

6 Houve alguns que se acharam imundos por terem tocado o cadáver de um homem, de maneira que não puderam celebrar a Páscoa naquele dia; por isso, chegando-se perante Moisés e Arão,

7 disseram-lhes: Estamos imundos por termos tocado o cadáver de um homem; por que havemos de ser privados de apresentar a oferta do SENHOR, a seu tempo, no meio dos filhos de Israel?

8 Respondeu-lhes Moisés: Esperai, e ouvirei o que o SENHOR vos ordenará.

9 Então, disse o SENHOR a Moisés:

10 Fala aos filhos de Israel, dizendo: Quando alguém entre vós ou entre as vossas gerações achar-se imundo por causa de um morto ou se achar em jornada longe de vós, contudo, ainda celebrará a Páscoa ao SENHOR.

11 No mês segundo, no dia catorze, no crepúsculo da tarde, a celebrarão; com pães asmos e ervas amargas a comerão.

12 Dela nada deixarão até à manhã e dela não quebrarão osso algum; segundo todo o estatuto da Páscoa, a celebrarão.

4UMose wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli ukuthi bolenza iphasika.

5Balenza-ke iphasika ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane ngakusihlwa ehlane laseSinayi; njengakho konke uJehova amyala ngakho uMose, benze njalo-ke abantwana bakwa-Israyeli.

6 Kwakukhona amadoda athile ayengcolisiwe yisidumbu somuntu, engenakulenza iphasika ngalolo suku; eza phambi kukaMose naphambi kuka-Aroni ngalowo muhla.

7Lawo madoda athi kuye: Singcolisiwe yisidumbu somuntu; sivinjelelwani ukunikela ngomnikelo kaJehova ngesikhathi sawo esinqunyiweyo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli na?

8 UMose wathi kuwo: Yimani ukuba ngizwe ukuthi uJehova uyakuyalani ngani.

9UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

10 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Uma umuntu wakini noma owezizukulwane zenu engcoliswa yisidumbu noma esekuhambeni, ekude, uyakulenza nokho iphasika kuJehova;

11 ngenyanga yesibili ngosuku lweshumi nane ngakusihlwa bayakulenza; bayakulidla nesinkwa esingenamvubelo nemifino ebabayo;

12 abayikushiya lutho kuze kube sekuseni, bangaphuli thambo lalo; ngokwezimiso zonke zephasika bayakulenza.

[13] Porém, se um homem achar-se limpo, e não estiver de caminho, e deixar de celebrar a Páscoa, essa alma será eliminada do seu povo, porquanto não apresentou a oferta do SENHOR, a seu tempo; tal homem levará sobre si o seu pecado.

[14] Se um estrangeiro habitar entre vós e também celebrar a Páscoa ao SENHOR, segundo o estatuto da Páscoa e segundo o seu rito, assim a celebrará; um só estatuto haverá para vós outros, tanto para o estrangeiro como para o natural da terra.

A nuvem sobre o tabernáculo

Êxodo 40.34-38

[15] No dia em que foi erigido o tabernáculo, a nuvem o cobriu, a saber, a tenda do Testemunho; e, à tarde, estava sobre o tabernáculo uma aparência de fogo até à manhã.

[16] Assim era de contínuo: a nuvem o cobria, e, de noite, havia aparência de fogo.

[17] Quando a nuvem se erguia de sobre a tenda, os filhos de Israel se punham em marcha; e, no lugar onde a nuvem parava, aí os filhos de Israel se acampavam.

[18] Segundo o mandado do SENHOR, os filhos de Israel partiam e, segundo o mandado do SENHOR, se acampavam; por todo o tempo em que a nuvem pairava sobre o tabernáculo, permaneciam acampados.

[19] Quando a nuvem se detinha muitos dias sobre o tabernáculo, então, os filhos de

[13]Kepha umuntu ohlambulukileyo, engekho ekuhambeni, oyeka ukulenza iphasika, lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo, ngokuba akanikelanga ngomnikelo kaJehova ngesikhathi esinqunyiweyo; lowo muntu uyakuthwala ububi bakhe.

[14] Uma umfokazi egogobele phakathi kwenu, ethanda ukulenza iphasika kuJehova ngokwesimiso sephasika nangokomthetho walo, uyakwenze njalo; niyakuba nesimiso sinye kumfokazi nakowokuzalwa ezweni.

Ifu elaliphezu kwetabernakele*

[15] Ngosuku itabernakele elamiswa ngalo ifu lalisibekela itabernakele, itende lobufakazi; ngakusihlwa laliphezu kwetabernakele njengokubonakala komlilo kwaze kwaba sekuseni.

[16] Kwakunjalo ngesikhathi sonke: ifu lalisibekela, kwabonakala umlilo ebusuku.

[17]Nalapho ifu lenyuswa etendeni, base behamba abantwana bakwa-Israyeli, nasendaweni lapho ifu lalima khona, lapho abantwana bakwa-Israyeli bamisa khona.

[18]Ngesiyalezo sikaJehova abantwana bakwa-Israyeli bahamba, nangesiyalezo sikaJehova bamisa; ngesikhathi ifu lihlala phezu kwetabernakele bahlala ekamu.

[19]Nalapho ifu lihlala phezu kwetabernakele izinsuku eziningi,

Israel cumpriam a ordem do SENHOR e não partiam.

[20] Às vezes, a nuvem ficava poucos dias sobre o tabernáculo; então, segundo o mandado do SENHOR, permaneciam e, segundo a ordem do SENHOR, partiam.

[21] Às vezes, a nuvem ficava desde a tarde até à manhã; quando, pela manhã, a nuvem se erguia, punham-se em marcha; quer de dia, quer de noite, erguendo-se a nuvem, partiam.

[22] Se a nuvem se detinha sobre o tabernáculo por dois dias, ou um mês, ou por mais tempo, enquanto pairava sobre ele, os filhos de Israel permaneciam acampados e não se punham em marcha; mas, erguendo-se ela, partiam.

[23] Segundo o mandado do SENHOR, se acampavam e, segundo o mandado do SENHOR, se punham em marcha; cumpriam o seu dever para com o SENHOR, segundo a ordem do SENHOR por intermédio de Moisés.

abantwana bakwa-Israyeli bagcina isiyalezo sikaJehova, abahambanga.

[20]Ngesinye isikhathi ifu laliphezu kwetabernakele izinsuku eziyingcosana nje; khona ngesiyalezo sikaJehova bahlala ekamu, nangesiyalezo sikaJehova bahamba.

[21]Nangesinye isikhathi ifu lahlala kusihlwa kwaze kwaba sekuseni; nalapho ifu lenyuswa ekuseni, bahamba; noma lahlala ubusuku nemini, bahamba lapho ifu lenyuswa.

[22]Noma kwakuyizinsuku ezimbili, noma inyanga, noma isikhathi esingakanani ifu lisahlezi phezu kwetabernakele, abantwana bakwa-Israyeli bahlala ekamu, abahambanga; kepha lapho lenyuswa, bahamba.

[23]Ngesiyalezo sikaJehova bamisa, nangesiyalezo sikaJehova bahamba; bagcina inkonzo kaJehova ngesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

Números 10

As duas trombetas de prata

[1] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[2] Faze duas trombetas de prata; de obra batida as farás; servir-te-ão para convocares a congregação e para a partida dos arraiais.

[3] Quando tocarem, toda a congregação se ajuntará a ti à porta da tenda da congregação.

UNumeri 10

Amacilongo esiliva

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Uzenzele amacilongo amabili esiliva, uwenze ngomsebenzi okhandiweyo, uwasebenzise ekubizeni inhlangano nasekusukeni kwamakamu.

[3]Nxa bewabetha, yonke inhlangano iyakubuthana kuwe ngasemnyango wetende lokuhlangana.

[4] Mas, quando tocar uma só, a ti se ajuntarão os príncipes, os cabeças dos milhares de Israel.

[5] Quando as tocardes a rebate, partirão os arraiais que se acham acampados do lado oriental.

[6] Mas, quando a segunda vez as tocardes a rebate, então, partirão os arraiais que se acham acampados do lado sul; a rebate, as tocarão para as suas partidas.

[7] Mas, se se houver de ajuntar a congregação, tocá-las-eis, porém não a rebate.

[8] Os filhos de Arão, sacerdotes, tocarão as trombetas; e a vós outros será isto por estatuto perpétuo nas vossas gerações.

[9] Quando, na vossa terra, sairdes a pelejar contra os opressores que vos apertam, também tocareis as trombetas a rebate, e perante o SENHOR, vosso Deus, haverá lembrança de vós, e sereis salvos de vossos inimigos.

[10] Da mesma sorte, no dia da vossa alegria, e nas vossas solenidades, e nos princípios dos vossos meses, também tocareis as vossas trombetas sobre os vossos holocaustos e sobre os vossos sacrifícios pacíficos, e vos serão por lembrança perante vosso Deus. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

Os israelitas partem do Sinai

[11] Aconteceu, no ano segundo, no segundo mês, aos vinte do mês, que a nuvem se ergueu de sobre o tabernáculo da congregação.

[4]Uma bebetha elilodwa, izikhulu, izinhloko zezinkulungwane zakwa-Israyeli, ziyakubuthana kuwe.

[5]Nxa nihlaba umkhosi, amakamu asohlangothini lwasempumalanga ayakusuka.

[6]Nanxa nihlaba umkhosi ngokwesibili, amakamu asohlangothini lwaseningizimu ayakusuka; bayakuhlaba umkhosi ekusukeni kwabo.

[7]Kepha lapho liyakubuthwa ibandla, niyakubetha, ningahlabi umkhosi kodwa.

[8] Amadodana ka-Aroni, abapristi, ayakubetha amacilongo; kuyakuba kini isimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu.

[9] Nxa niphuma impi ezweni lakini ukuyokulwa nesitha esinicindezelayo, khona niyakuhlaba umkhosi ngamacilongo, nikhumbuleke phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu, nisindiswe ezitheni zenu.

[10] Nangezinsuku zokuthokoza kwenu, nangemikhosi emisiweyo, nasekwethwaseni kwenyanga niyakubetha amacilongo enu phezu kweminikelo yenu yokushiswa naphezu kwemihlatshelo yeminikelo yenu yokuthula, ibe yisikhumbuzo senu phambi kukaNkulunkulu wenu; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

Abakwa-Israyeli basuka eSinayi

[11]Kwathi ngomnyaka wesibili ngenyanga yesibili ngolwamashumi amabili lwenyanga ifu lenyuswa etabernakele lobufakazi.

12 Os filhos de Israel puseram-se em marcha do deserto do Sinai, jornada após jornada; e a nuvem repousou no deserto de Parã.

13 Assim, pela primeira vez, se puseram em marcha, segundo o mandado do SENHOR, por Moisés.

14 Primeiramente, partiu o estandarte do arraial dos filhos de Judá, segundo as suas turmas; e, sobre o seu exército, estava Naassom, filho de Aminadabe;

15 sobre o exército da tribo dos filhos de Issacar, Natanael, filho de Zuar;

16 e, sobre o exército da tribo dos filhos de Zebulom, Eliabe, filho de Helom.

17 Então, desarmaram o tabernáculo, e os filhos de Gérson e os filhos de Merari partiram, levando o tabernáculo.

18 Depois, partiu o estandarte do arraial de Rúben, segundo as suas turmas; e, sobre o seu exército, estava Elizur, filho de Sedeur;

19 sobre o exército da tribo dos filhos de Simeão, Selumiel, filho de Zurisadai;

20 e, sobre o exército da tribo dos filhos de Gade, Eliasafe, filho de Deuel.

21 Então, partiram os coatitas, levando as coisas santas; e erigia-se o tabernáculo até que estes chegassem.

22 Depois, partiu o estandarte do arraial dos filhos de Efraim, segundo as suas

12Abantwana bakwa-Israyeli basuka ehlane laseSinayi amabanga ngamabanga; ifu lema ehlane lasePharanu.

13Ngokokuqala basuka ngokwesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

14 Kuqala lasuka ibhanela lekamu labantwana bakwaJuda ngamabandla abo; uNaheshoni indodana ka-Aminadaba wayephezu kwalelo bandla.

15Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwa-Isakare kwakunguNethaneli indodana kaSuwari.

16Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaZebuloni kwakungu-Eliyabe indodana kaHeloni.

17Itabernakele lasuswa; amadodana kaGereshoni namadodana kaMerari asuka elithwala itabernakele.

18Lase lisuka ibhanela lekamu likaRubeni ngamabandla abo; phezu kwalelo bandla kwakungu-Elisuri indodana kaShedewuri.

19Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaSimeyoni kwakunguShelumiyeli indodana kaSurishadayi.

20Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaGadi kwakungu-Eliyasafa indodana kaDehuweli.

21 Kwase kusuka amaKohati ethwala izinto ezingcwele; itabernakele lamiswa, wona engakafiki.

22Lase lisuka ibhanela lekamu labantwana bakwa-Efrayimi ngamabandla abo; phezu

turmas; e, sobre o seu exército, estava Elisama, filho de Amiúde;

kwebandla lakhe kwakungu-Elishama indodana ka-Amihudi.

23 sobre o exército da tribo dos filhos de Manassés, Gamaliel, filho de Pedazur;

23Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaManase kwakunguGamaliyeli indodana kaPedasuri.

24 e, sobre o exército da tribo dos filhos de Benjamim, Abidã, filho de Gideoni.

24Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaBenjamini kwakungu-Abidani indodana kaGideyoni.

25 Então, partiu o estandarte do arraial dos filhos de Dã, formando a retaguarda de todos os arraiais, segundo as suas turmas; e, sobre o seu exército, estava Aiezer, filho de Amisadai;

25Lase lisuka ibhanela lekamu labantwana bakwaDani elalisemva kwawo onke amakamu ngamabandla abo; phezu kwebandla lakhe kwakungu-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi.

26 sobre o exército da tribo dos filhos de Aser, Pagiel, filho de Ocrã;

26Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwa-Asheri kwakunguPagiyeli indodana ka-Okirani.

27 e, sobre o exército da tribo dos filhos de Naftali, Aira, filho de Enã.

27Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaNafetali kwakungu-Ahira indodana ka-Enani.

28 Nesta ordem, puseram-se em marcha os filhos de Israel, segundo os seus exércitos.

28Abantwana bakwa-Israyeli bahamba ngokulandelana kanjalo ngamabandla abo; base besuka-ke.

Moisés roga a Hobabe que vá com eles

Ukululekana noHobabi

29 Disse Moisés a Hobabe, filho de Reuel, o midianita, sogro de Moisés: Estamos de viagem para o lugar de que o SENHOR disse: Dar-vo-lo-ei; vem conosco, e te faremos bem, porque o SENHOR prometeu boas coisas a Israel.

29 UMose wathi kuHobabi indodana kaRehuweli wakwaMidiyani, umukhwe kaMose: Siya endaweni ashilo ngayo uJehova, wathi: Ngiyakuninika yona. Woza wena, uhambe nathi, siyakukwenzela okuhle, ngokuba uJehova ukhulumile okuhle ngo-Israyeli.

30 Porém ele respondeu: Não irei; antes, irei à minha terra e à minha parentela.

30Wathi kuye: Angiyikuhamba; kepha ngiyakusuka, ngiye ezweni lakithi nasezihlotsheni zami.

31 Tornou-lhe Moisés: Ora, não nos deixes, porque tu sabes que devemos acampar-nos no deserto; e nos servirás de guia.

31Kepha wathi: Ake ungasishiyi; njengokuba uyazi ukuthi siyakumisa kanjani ehlane, uyakuba ngamehlo ethu.

32 Se vieres conosco, far-te-emos o mesmo bem que o SENHOR a nós nos fizer.

33 Partiram, pois, do monte do SENHOR caminho de três dias; a arca da Aliança do SENHOR ia adiante deles caminho de três dias, para lhes deparar lugar de descanso.

34 A nuvem do SENHOR pairava sobre eles de dia, quando partiam do arraial.

35 Partindo a arca, Moisés dizia: Levanta-te, SENHOR, e dissipados sejam os teus inimigos, e fujam diante de ti os que te odeiam.

36 E, quando pousava, dizia: Volta, ó SENHOR, para os milhares de milhares de Israel.

Números 11

As murmurações dos israelitas

1 Queixou-se o povo de sua sorte aos ouvidos do SENHOR; ouvindo-o o SENHOR, acendeu-se-lhe a ira, e fogo do SENHOR ardeu entre eles e consumiu extremidades do arraial.

2 Então, o povo clamou a Moisés, e, orando este ao SENHOR, o fogo se apagou.

3 Pelo que chamou aquele lugar Taberá, porque o fogo do SENHOR se acendera entre eles.

4 E o populacho que estava no meio deles veio a ter grande desejo das comidas dos egípcios; pelo que os filhos de Israel

32Kuyakuthi uma uhamba nathi, yebo, kwenzeke ukuthi, noma yikuphi okuhle uJehova asenzela khona, khona lokho uyakukwenzela nawe.

33Basuka entabeni kaJehova, bahamba ibanga lezinsuku ezintathu; umphongolo wesivumelwano sikaJehova wahamba phambi kwabo ibanga lezinsuku ezintathu ukubafunela indawo yokuphumula.

34 Ifu likaJehova laliphezu kwabo emini, lapho besuka ekamu.

Umkhuleko kaMose

35 Kwathi ekusukeni komphongolo uMose washo wathi: Vuka, Jehova; mazihlakazeke izitha zakho; abakuzondayo mababaleke ebusweni bakho.

36Ekumeni kwawo wathi: Buyela, Jehova, emindenini eyizinkulungwane zakwa-Israyeli.

UNumeri 11

Abakwa-Israyeli bayakhonona eThabehera

1 Kwathi abantu bakhonona, kwabakubi ezindlebeni zikaJehova; esekuzwile uJehova, yavutha intukuthelo yakhe; umlilo kaJehova washa phakathi kwabo, wabaqeda abasemkhawulweni wekamu.

2Abantu base bekhala kuMose; uMose wakhuleka kuJehova, umlilo wabohla.

3 Igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi iThabehera, ngokuba umlilo kaJehova washa phakathi kwabo.

4 Ingxubevange eyayiphakathi kwabo yaqala ukufisa nokufisa; nabantwana bakwa-Israyeli babuye bakhala, bathi:

tornaram a chorar e também disseram: Quem nos dará carne a comer?

Ngubani oyakusipha inyama ukuba sidle na?

5 Lembramo-nos dos peixes que, no Egito, comíamos de graça; dos pepinos, dos melões, dos alhos silvestres, das cebolas e dos alhos.

5Siyakhumbula izinhlanzi esazidla eGibithe ngesihle, namakukamba, namakhabe, namaliki, nohanyanisi, nesweli;

6 Agora, porém, seca-se a nossa alma, e nenhuma coisa vemos senão este maná.

6kepha manje umphefumulo wethu usuwomile; akukho lutho impela; ngaphandle kwaleli mana akukho lutho emehlweni ethu.

7 Era o maná como semente de coentro, e a sua aparência, semelhante à de bdélio.

7 Imana lafana nembewu yekoriyanderi, nokubonakala kwalo kwakunjengokubonakala kwenhlaka yebedola.

8 Espalhava-se o povo, e o colhia, e em moinhos o moía ou num gral o pisava, e em panelas o cozia, e dele fazia bolos; o seu sabor era como o de bolos amassados com azeite.

8Abantwana baphuma ukuliqoqa, baligaya ematsheni, noma beligqula ezigqulweni, balipheka emakhanzini, benza ngalo amaqebelengwane; ukuzwakala kwalo kwakunjengokuzwakala kweqebelengwane lamafutha.

9 Quando, de noite, descia o orvalho sobre o arraial, sobre este também caía o maná.

9Nxa amazolo elala phezu kwekamu ebusuku, imana lawela phezu kwawo.

Moisés acha pesado o seu cargo

10 Então, Moisés ouviu chorar o povo por famílias, cada um à porta de sua tenda; e a ira do SENHOR grandemente se acendeu, e pareceu mal aos olhos de Moisés.

10UMose wezwa abantu bekhala emindenini yabo, kwaba yilowo nalowo muntu ngasemnyango wetende lakhe; intukuthelo kaJehova yavutha kakhulu; kwakukubi emehlweni kaMose.

11 Disse Moisés ao SENHOR: Por que fizeste mal a teu servo, e por que não achei favor aos teus olhos, visto que puseste sobre mim a carga de todo este povo?

11UMose wathi kuJehova: Uyiphatheleni kabi inceku yakho na? Angifumananga ngani umusa emehlweni akho ukuba ubeke umthwalo wabo bonke laba bantu phezu kwami na?

12 Concebi eu, porventura, todo este povo? Dei-o eu à luz, para que me digas: Leva-o

12 Ngakhulelwa bonke laba bantu yini, ngabazala, ukuze uthi kimi: Bagone

ao teu colo, como a ama leva a criança que mama, à terra que, sob juramento, prometeste a seus pais?

13 Donde teria eu carne para dar a todo este povo? Pois chora diante de mim, dizendo: Dá-nos carne que possamos comer.

14 Eu sozinho não posso levar todo este povo, pois me é pesado demais.

15 Se assim me tratas, mata-me de uma vez, eu te peço, se tenho achado favor aos teus olhos; e não me deixes ver a minha miséria.

Deus designa setenta anciãos para ajudarem Moisés

16 Disse o SENHOR a Moisés: Ajunta-me setenta homens dos anciãos de Israel, que sabes serem anciãos e superintendentes do povo; e os trarás perante a tenda da congregação, para que assistam ali contigo.

17 Então, descerei e ali falarei contigo; tirarei do Espírito que está sobre ti e o porei sobre eles; e contigo levarão a carga do povo, para que não a leves tu somente.

18 Dize ao povo: Santificai-vos para amanhã e comereis carne; porquanto chorastes aos ouvidos do SENHOR, dizendo: Quem nos dará carne a comer? Íamos bem no Egito. Pelo que o SENHOR vos dará carne, e comereis.

19 Não comereis um dia, nem dois dias, nem cinco, nem dez, nem ainda vinte;

ngasesifubeni sakho njengomondli egona umntwana oncelayo, ubayise ezweni owalifungela oyise, na?

13 Ngingathathaphi inyama ukubanika bonke laba bantu na? Ngokuba bakhala kimi, bathi: Siphe inyama ukuba sidle.

14 Anginakuthwala bonke laba bantu ngedwa, ngokuba kuyangisinda.

15 Uma ungiphatha kanje, ake ungibulale nokungibulala, uma ngifumene umusa emehlweni akho; mangingaluboni usizi lwami.

Amalunga angamashumi ayisikhombisa

16 UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Ngibuthele amadoda angamashumi ayisikhombisa amalunga akwa-Israyeli, owaziyo ukuthi angamalunga abantu nezinduna zabo, uwalethe etendeni lokuhlangana ukuba eme khona nawe.

17 Ngiyakwehla, ngikhulume nawe khona, ngithathe okomoya ophezu kwakho, ngikubeke kuwo; ayakuthwala umthwalo wabantu kanye nawe, ukuze ungawuthwali wedwa.

18 Yisho kubantu ukuthi: Zingcweliseleni olwangakusasa, niyakudla inyama, lokhu nikhalile ezindlebeni zikaJehova ngokuthi: Ngubani oyakusipha inyama ukuba sidle, ngokuba kwakukuhle kithi eGibithe, ngalokho uJehova uyakuninika inyama, nize nidle.

19 Aniyikuyidla usuku lube lunye, noma izinsuku zibe zimbili, noma izinsuku zibe

yisihlanu, noma izinsuku zibe yishumi, noma izinsuku zibe ngamashumi amabili,

[20] mas um mês inteiro, até vos sair pelos narizes, até que vos enfastieis dela, porquanto rejeitastes o SENHOR, que está no meio de vós, e chorastes diante dele, dizendo: Por que saímos do Egito?

[20]kepha inyanga epheleleyo, ize iphume ngamakhala enu, inengeke kini, ngokuba nimlahlile uJehova ophakathi kwenu, nakhala phambi kwakhe ngokuthi: Saphumelani eGibithe na?

[21] Respondeu Moisés: Seiscentos mil homens de pé é este povo no meio do qual estou; e tu disseste: Dar-lhes-ei carne, e a comerão um mês inteiro.

[21] Wayesethi uMose: Abantu engiphakathi kwabo bayizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha abayimigundatshani; wena-ke uthi: Ngiyakubanika inyama ukuba badle inyanga epheleleyo.

[22] Matar-se-ão para eles rebanhos de ovelhas e de gado que lhes bastem? Ou se ajuntarão para eles todos os peixes do mar que lhes bastem?

[22]Bayakuhlatshelwa izimvu nezinkomo ukuba zibanele na? Noma bayakubuthelwa yini izinhlanzi zonke zolwandle ukuba zibanele na?

[23] Porém o SENHOR respondeu a Moisés: Ter-se-ia encurtado a mão do SENHOR? Agora mesmo, verás se se cumprirá ou não a minha palavra!

[23] UJehova wathi kuMose: Isandla sikaJehova sifinyele na? Usuyakubona uma izwi lami liyakwenzeka kuwe noma qha.

[24] Saiu, pois, Moisés, e referiu ao povo as palavras do SENHOR, e ajuntou setenta homens dos anciãos do povo, e os pôs ao redor da tenda.

[24]UMose waphuma, wabatshela abantu amazwi kaJehova; wabutha amadoda angamashumi ayisikhombisa amalunga abantu, wawamisa ngasetendeni nxazonke.

[25] Então, o SENHOR desceu na nuvem e lhe falou; e, tirando do Espírito que estava sobre ele, o pôs sobre aqueles setenta anciãos; quando o Espírito repousou sobre eles, profetizaram; mas, depois, nunca mais.

[25]UJehova wehla ngefu, wakhuluma kuye, wathabatha okomoya ophezu kwakhe, wakubeka kumalunga angamashumi ayisikhombisa; kwathi umoya esahlezi kuwo, aprofetha, kepha awaze akuphinda.

[26] Porém, no arraial, ficaram dois homens; um se chamava Eldade, e o outro, Medade. Repousou sobre eles o Espírito, porquanto

[26]Kodwa kwasala amadoda amabili ekamu, igama lenye lalingu-Elidadi, igama leyesibili linguMedadi; umoya

estavam entre os inscritos, ainda que não saíram à tenda; e profetizavam no arraial.

wayehlala phezu kwawo; ayephakathi kwalawo alotshiweyo, kepha awayanga etendeni; aprofetha ekamu.

[27] Então, correu um moço, e o anunciou a Moisés, e disse: Eldade e Medade profetizam no arraial.

[27]Kwagijima insizwa, yabika kuMose, yathi: O-Elidadi noMedadi bayaprofetha ekamu.

[28] Josué, filho de Num, servidor de Moisés, um dos seus escolhidos, respondeu e disse: Moisés, meu senhor, proíbe-lho.

[28] UJoshuwa indodana kaNuni, inceku kaMose, owabakhethiweyo bakhe, waphendula wathi: Nkosi yami, Mose, benqabele.

[29] Porém Moisés lhe disse: Tens tu ciúmes por mim? Tomara todo o povo do SENHOR fosse profeta, que o SENHOR lhes desse o seu Espírito!

[29]UMose wathi kubo: Unomhawu ngenxa yami na? Sengathi bonke abantu bakaJehova bangaba ngabaprofethi, uJehova abeke uMoya wakhe phezu kwabo.

[30] Depois, Moisés se recolheu ao arraial, ele e os anciãos de Israel.

[30]UMose wangena ekamu, yena namalunga akwa-Israyeli.

Deus manda codornizes

[31] Então, soprou um vento do SENHOR, e trouxe codornizes do mar, e as espalhou pelo arraial quase caminho de um dia, ao seu redor, cerca de dois côvados sobre a terra.

Izigwaca

[31] Kwavuka umoya ovela kuJehova, waletha izigwaca zivela ngaselwandle, waziwisa ngasekamu kungathi ibanga losuku ngalapha nebanga losuku ngalapha kwekamu nxazonke, nokuphakama phezu komhlaba kungathi izingalo ezimbili.

[32] Levantou-se o povo todo aquele dia, e a noite, e o outro dia e recolheu as codornizes; o que menos colheu teve dez ômeres; e as estenderam para si ao redor do arraial.

[32]Abantu bavuka lonke lolo suku, nobusuku bonke, nalo lonke usuku olulandelayo, babutha izigwaca; owabutha okuncane wabutha amahomere ayishumi; bazenekela ngasekamu nxazonke.

[33] Estava ainda a carne entre os seus dentes, antes que fosse mastigada, quando se acendeu a ira do SENHOR contra o povo, e o feriu com praga mui grande.

[33]Inyama isekhona phakathi kwamazinyo abo, ingakahlafunwa, ulaka lukaJehova lwavuthela abantu, uJehova wabashaya abantu ngokufa okukhulu kakhulu.

[34] Pelo que o nome daquele lugar se chamou Quibrote-Hataavá, porquanto ali enterraram o povo que teve o desejo das comidas dos egípcios.

[35] De Quibrote-Hataavá partiu o povo para Hazerote e ali ficou.

Números 12

A sedição de Miriã e Arão

[1] Falaram Miriã e Arão contra Moisés, por causa da mulher cuxita que tomara; pois tinha tomado a mulher cuxita.

[2] E disseram: Porventura, tem falado o SENHOR somente por Moisés? Não tem falado também por nós? O SENHOR o ouviu.

[3] Era o varão Moisés mui manso, mais do que todos os homens que havia sobre a terra.

[4] Logo o SENHOR disse a Moisés, e a Arão, e a Miriã: Vós três, saí à tenda da congregação. E saíram eles três.

[5] Então, o SENHOR desceu na coluna de nuvem e se pôs à porta da tenda; depois, chamou a Arão e a Miriã, e eles se apresentaram.

[6] Então, disse: Ouvi, agora, as minhas palavras; se entre vós há profeta, eu, o SENHOR, em visão a ele, me faço conhecer ou falo com ele em sonhos.

[7] Não é assim com o meu servo Moisés, que é fiel em toda a minha casa.

[34]Igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi iKibiroti Hathawa, ngokuba bambela abantu abafisayo.

[35]Abantu basuka eKibiroti Hathawa, baya eHaseroti; bahlala eHaseroti.

UNumeri 12

OMiriyamu no-Aroni bamelana noMose. UMiriyamu uyajeziswa

[1]OMiriyamu no-Aroni bakhuluma bemelene noMose ngenxa yowesifazane wakwaKushe amthathile; ngokube wayethathile owesifazane wakwaKushe.

[2]Bathi: Imbala uJehova ukhulumile kuMose kuphela na? Akakhulumanga nakithi na? UJehova wakuzwa.

[3]Kodwa lowo muntu uMose wayemnene kunabo bonke abantu ababesebusweni bomhlaba.

[4]UJehova wayesekhuluma ngokuzumayo kuMose naku-Aroni nakuMiriyamu, wathi: Wozani nina nobathathu etendeni lokuhlangana. Baphuma bobathathu.

[5]UJehova wehla esensikeni yefu, wema ngasemnyango wetende, wabiza o-Aroni noMiriyamu; baphuma bobabili.

[6]Wayesethi: Yizwani manje amazwi ami: uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, mina Jehova ngiyakuzibonakalisa kuye ngombono, ngikhulume kuye ngephupho.

[7] Inceku yami uMose akanjalo; uthembekile endlini yami yonke;

[8] Boca a boca falo com ele, claramente e não por enigmas; pois ele vê a forma do SENHOR; como, pois, não temestes falar contra o meu servo, contra Moisés?

[9] E a ira do SENHOR contra eles se acendeu; e retirou-se.

[10] A nuvem afastou-se de sobre a tenda; e eis que Miriã achou-se leprosa, branca como neve; e olhou Arão para Miriã, e eis que estava leprosa.

[11] Então, disse Arão a Moisés: Ai! SENHOR meu, não ponhas, te rogo, sobre nós este pecado, pois loucamente procedemos e pecamos.

[12] Ora, não seja ela como um aborto, que, saindo do ventre de sua mãe, tenha metade de sua carne já consumida.

[13] Moisés clamou ao SENHOR, dizendo: Ó Deus, rogo-te que a cures.

[14] Respondeu o SENHOR a Moisés: Se seu pai lhe cuspira no rosto, não seria envergonhada por sete dias? Seja detida sete dias fora do arraial e, depois, recolhida.

[15] Assim, Miriã foi detida fora do arraial por sete dias; e o povo não partiu enquanto Miriã não foi recolhida.

[16] Porém, depois, o povo partiu de Hazerote e acampou-se no deserto de Parã.

Números 13

[8] ngiyakukhuluma naye umlomo nomlomo ngokusobala, kungabi ngamazwi ayimfumbe; isimo sikaJehova uyakusibona; anesabanga ngani ukukhuluma ngenceku yami uMose na?

[9]Intukuthelo kaJehova yabavuthela; wayesemuka.

[10]Ifu lasuka phezu kwetende; bheka, uMiriyamu wayesenochoko, enjengeqhwa; u-Aroni wambheka uMiriyamu; bheka, wayenochoko.

[11]U-Aroni wathi kuMose: O nkosi, ake ungabeki isono phezu kwethu ngalokho esikwenzile ngobuwula, nangalokho esone ngakho.

[12]Ake angabi njengofileyo, onyama yakhe idliwe inxenye, nxa ephuma esizalweni sikanina.

[13]UMose wakhala kuJehova, wathi: O Nkulunkulu, mawumphulukise, ngiyakuncenga.

[14] UJehova wathi kuMose: Uma uyise ebemkhafulele ebusweni, ubengebe namahloni izinsuku eziyisikhombisa na? Makavalelwe ngaphandle kwekamu izinsuku eziyisikhombisa; ngasemva kwalokho uyakubuye angeniswe.

[15]UMiriyamu wavalelwa ngaphandle kwekamu izinsuku eziyisikhombisa; abantu abahambanga, waze wabuyiswa uMiriyamu.

[16]Ngasemuva abantu basuka eHaseroti, bamisa ehlane lasePharanu.

UNumeri 13

Doze homens são enviados para espiar a terra de Canaã
Deuteronômio 1.19-25

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Envia homens que espiem a terra de Canaã, que eu hei de dar aos filhos de Israel; de cada tribo de seus pais enviareis um homem, sendo cada qual príncipe entre eles.

[3] Enviou-os Moisés do deserto de Parã, segundo o mandado do SENHOR; todos aqueles homens eram cabeças dos filhos de Israel.

[4] São estes os seus nomes: da tribo de Rúben, Samua, filho de Zacur;

[5] da tribo de Simeão, Safate, filho de Hori;

[6] da tribo de Judá, Calebe, filho de Jefoné;

[7] da tribo de Issacar, Jigeal, filho de José;

[8] da tribo de Efraim, Oseias, filho de Num;

[9] da tribo de Benjamim, Palti, filho de Rafu;

[10] da tribo de Zebulom, Gadiel, filho de Sodi;

[11] da tribo de José, pela tribo de Manassés, Gadi, filho de Susi;

[12] da tribo de Dã, Amiel, filho de Gemali;

[13] da tribo de Aser, Setur, filho de Micael;

[14] da tribo de Naftali, Nabi, filho de Vofsi;

Izinhloli eziyishumi nambili

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Thuma wena abantu ukuba bahlole izwe laseKhanani engibanika lona abantwana bakwa-Israyeli; uthume umuntu waleso naleso sizwe sawoyise, kube yilowo nalowo abe yinduna phakathi kwabo.

[3] UMose wabathuma-ke besuka ehlane lasePharanu ngesiyalezo sikaJehova; bonke babo babe ngabantu abayizinhloko zabantwana bakwa-Israyeli.

[4]Lawa angamagama abo: Owesizwe sakwaRubeni: uShamuwa indodana kaZakuri.

[5]Owesizwe sakwaSimeyoni: uShafati indodana kaHori.

[6]Owesizwe sakwaJuda: uKalebi indodana kaJefune.

[7]Owesizwe sakwa-Isakare: u-Igali indodana kaJosefa.

[8]Owesizwe sakwa-Efrayimi: uHosheya indodana kaNuni.

[9]Owesizwe sakwaBenjamini: uPaliti indodana kaRafu.

[10]Owesizwe sakwaZebuloni: uGadiyeli indodana kaSodi.

[11]Owesizwe sakwaJosefa, owesizwe sakwaManase: uGadi indodana kaSusi.

[12]Owesizwe sakwaDani: u-Amiyeli indodana kaGemali.

[13]Owesizwe sakwa-Asheri: uSethuru indodana kaMikayeli.

[14]Owesizwe sakwaNafetali: uNabi indodana kaVofisi.

[15] da tribo de Gade, Geuel, filho de Maqui.

[16] São estes os nomes dos homens que Moisés enviou a espiar aquela terra; e a Oseias, filho de Num, Moisés chamou Josué.

[17] Enviou-os, pois, Moisés a espiar a terra de Canaã; e disse-lhes: Subi ao Neguebe e penetrai nas montanhas.

[18] Vede a terra, que tal é, e o povo que nela habita, se é forte ou fraco, se poucos ou muitos.

[19] E qual é a terra em que habita, se boa ou má; e que tais são as cidades em que habita, se em arraiais, se em fortalezas.

[20] Também qual é a terra, se fértil ou estéril, se nela há matas ou não. Tende ânimo e trazei do fruto da terra. Eram aqueles dias os dias das primícias das uvas.

[21] Assim, subiram e espiaram a terra desde o deserto de Zim até Reobe, à entrada de Hamate.

[22] E subiram pelo Neguebe e vieram até Hebrom; estavam ali Aimã, Sesai e Talmai, filhos de Anaque (Hebrom foi edificada sete anos antes de Zoã, no Egito).

[23] Depois, vieram até ao vale de Escol e dali cortaram um ramo de vide com um cacho de uvas, o qual trouxeram dois

[15]Owesizwe sakwaGadi: uGewuweli indodana kaMaki.

[16]Yilawo amagama amadoda athunywa nguMose ukuhlola izwe. UMose wambiza uHosheya indodana kaNuni ngokuthi uJoshuwa.

[17]UMose wabathuma ukuhlola izwe laseKhanani, wathi kubo: Yenyukani ngalapha, niye ngaseningizimu, nikhuphukele ezintabeni,

[18]nibone izwe ukuthi linjani, nabantu abakhe kulo ukuthi banamandla noma babuthakathaka, bayingcosana noma baningi yini,

[19]nokuthi izwe abakhe kulo linjani, noma lihle noma libi, nokuthi imizi abahlala kuyo injani, noma ngamakamu noma yizinqaba,

[20]nokuthi izwe linjani, noma livundile noma limpofu, noma linezinkuni noma qha. Yibani nesibindi, nibuye nezithelo zezwe. Kwase kuyisikhathi sezithelo zokuqala zomvini.

[21]Base behamba-ke, bahlola izwe kusukela ehlane laseSini kuze kube seRehobe ekuyeni ngaseHamati.

[22]Benyukela ngaseningizimu, bafika eHebroni; o-Ahimani, noSheshayi, noTalimayi, abantwana bakwa-Anaki, babelapho. IHebroni lakhiwa iminyaka eyisikhombisa lingakakhiwa iSowani laseGibithe.

[23] Bafika esiGodini sase-Eshikoli, banquma khona igatsha elinehlukuzo lezithelo zomvini, balithwala ngothi

homens numa vara, como também romãs e figos.

phakathi kwababili, kanye namapomegranati namakhiwane.

[24] Esse lugar se chamou o vale de Escol, por causa do cacho que ali cortaram os filhos de Israel.

[24] Leyo ndawo yathiwa isiGodi sase-Eshikoli ngenxa yehlukuzo abantwana bakwa-Israyeli abalinquma khona.

O relatório dos espias recebido com incredulidade

Deuteronômio 1.26-33

[25] Ao cabo de quarenta dias, voltaram de espiar a terra,

[25]Base bebuya ekuhloleni izwe ngasekupheleni kwezinsuku ezingamashumi amane.

[26] caminharam e vieram a Moisés, e a Arão, e a toda a congregação dos filhos de Israel no deserto de Parã, a Cades; deram-lhes conta, a eles e a toda a congregação, e mostraram-lhes o fruto da terra.

[26]Baya bafika kuMose naku-Aroni nakuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ehlane lasePharanu eKadeshi, babuyisela izwi kubo nakuyo yonke inhlangano, bababonisa izithelo zezwe.

[27] Relataram a Moisés e disseram: Fomos à terra a que nos enviaste; e, verdadeiramente, mana leite e mel; este é o fruto dela.

[27]Bamtshela bathi: Safika-ke ezweni owasithuma kulo; ngempela livame ubisi nezinyosi; lokhu kuyizithelo zalo.

[28] O povo, porém, que habita nessa terra é poderoso, e as cidades, mui grandes e fortificadas; também vimos ali os filhos de Anaque.

[28]Nokho abantu abakhe ezweni banamandla, imizi ibiyelwe, mikhulu kakhulu; futhi sabona abantwana bakwa-Anaki khona.

[29] Os amalequitas habitam na terra do Neguebe; os heteus, os jebuseus e os amorreus habitam na montanha; os cananeus habitam ao pé do mar e pela ribeira do Jordão.

[29]U-Amaleki wakhile ezweni laseningizimu; amaHeti, namaJebusi, nama-Amori ahlala ezintabeni; amaKhanani akhile ngaselwandle naseceleni kweJordani.

[30] Então, Calebe fez calar o povo perante Moisés e disse: Eia! Subamos e possuamos a terra, porque, certamente, prevaleceremos contra ela.

[30]UKalebi wathulisa abantu phambi kukaMose, wathi: Masenyuke khona manje, silidle, ngokuba sinamandla okulinqoba.

[31] Porém os homens que com ele tinham subido disseram: Não poderemos subir contra aquele povo, porque é mais forte do que nós.

[31]Kepha amadoda ayenyuke naye athi: Asinakwenyuka, sihlasele labo bantu, ngokuba banamandla kunathi.

[32] E, diante dos filhos de Israel, infamaram a terra que haviam espiado, dizendo: A terra pelo meio da qual passamos a espiar é terra que devora os seus moradores; e todo o povo que vimos nela são homens de grande estatura.

[33] Também vimos ali gigantes (os filhos de Anaque são descendentes de gigantes), e éramos, aos nossos próprios olhos, como gafanhotos e assim também o éramos aos seus olhos.

[32]Base belandisa abantwana bakwa-Israyeli umbiko omubi ngezwe ababelihlolile, bathi: Izwe esilidabulile ukulihlola liyizwe elidla abakhileyo kulo; bonke abantu esababona kulo bangabantu abajaheleyo.

[33] Sabona khona iziqhwaga, amadodana ka-Anaki ayela eziqhwageni; emehlweni ethu saba njengezintethe, saba njalo nasemehlweni abo.

Números 14

Sedição do povo

[1] Levantou-se, pois, toda a congregação e gritou em voz alta; e o povo chorou aquela noite.

[2] Todos os filhos de Israel murmuraram contra Moisés e contra Arão; e toda a congregação lhes disse: Tomara tivéssemos morrido na terra do Egito ou mesmo neste deserto!

[3] E por que nos traz o SENHOR a esta terra, para cairmos à espada e para que nossas mulheres e nossas crianças sejam por presa? Não nos seria melhor voltarmos para o Egito?

[4] E diziam uns aos outros: Levantemos um capitão e voltemos para o Egito.

[5] Então, Moisés e Arão caíram sobre o seu rosto perante a congregação dos filhos de Israel.

[6] E Josué, filho de Num, e Calebe, filho de Jefoné, dentre os que espiaram a terra, rasgaram as suas vestes

UNumeri 14

Ukukhonona kwabantu

[1]Inhlangano yonke yayisiphakamisa izwi layo, yakhala. Abantu bakhala izinyembezi ngalobo busuku.

[2] Bonke abantwana bakwa-Israyeli bakhonona ngoMose nango-Aroni; yonke inhlangano yathi kubo: Sengathi nga safa ezweni laseGibithe, noma sengathi nga safa kuleli hlane.

[3]UJehova usilethelani kuleli zwe, siwe ngenkemba na? Omkethu nabancane bethu bayakuba yimpango; bekungengcono yini kithi ukubuyela eGibithe na?

[4]Bathi omunye komunye: Masibeke induna, sibuyele eGibithe.

[5]Khona oMose no-Aroni bawa ngobuso babo phambi kwebandla lonke lenhlangano yabantwana bakwa-Israyeli.

[6]UJoshuwa indodana kaNuni noKalebi indodana kaJefune ababephakathi kwabahlola izwe baklebhula izingubo zabo,

[7] e falaram a toda a congregação dos filhos de Israel, dizendo: A terra pelo meio da qual passamos a espiar é terra muitíssimo boa.

[8] Se o SENHOR se agradar de nós, então, nos fará entrar nessa terra e no-la dará, terra que mana leite e mel.

[9] Tão-somente não sejais rebeldes contra o SENHOR e não temais o povo dessa terra, porquanto, como pão, os podemos devorar; retirou-se deles o seu amparo; o SENHOR é conosco; não os temais.

[10] Apesar disso, toda a congregação disse que os apedrejassem; porém a glória do SENHOR apareceu na tenda da congregação a todos os filhos de Israel.

[11] Disse o SENHOR a Moisés: Até quando me provocará este povo e até quando não crerá em mim, a despeito de todos os sinais que fiz no meio dele?

[12] Com pestilência o ferirei e o deserdarei; e farei de ti povo maior e mais forte do que este.

Moisés intercede pelo povo

[13] Respondeu Moisés ao SENHOR: Os egípcios não somente ouviram que, com a tua força, fizeste subir este povo do meio deles,

[14] mas também o disseram aos moradores desta terra; ouviram que tu, ó SENHOR, estás no meio deste povo, que face a face, ó SENHOR, lhes apareces, tua nuvem está sobre eles, e vais adiante deles numa

[7]bakhuluma kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, bathi: Izwe esalidabula ukulihlola liyizwe elihle kakhulu.

[8]Uma uJehova esithanda, uyakusingenisa kulelo zwe, asinike lona, izwe elivame ubisi nezinyosi.

[9]Kodwa ningahlubuki kuJehova, futhi ningesabi abantu balelo zwe; ngokuba bayisinkwa kithi; umthunzi wabo usukile phezu kwabo, kodwa uJehova unathi; ningabesabi.

[10]Kepha inhlangano yonke yathi mabakhandwe ngamatshe. Inkazimulo kaJehova yabonakala etendeni lokuhlangana kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli.

Intukuthelo kaJehova. Isijeziso sabakwa-Israyeli

[11]UJehova wayesekhuluma kuMose, wathi: Koze kube nini laba bantu bengidelela na? Koze kube nini bengakholwa yimi ngezibonakaliso zonke engizenzile phakathi kwabo na?

[12] Ngiyakubashaya ngesifo, ngibaphuce ifa, ngikwenze isizwe esikhulu nesinamandla kunabo.

[13]UMose wathi kuJehova: Khona abaseGibithe bayakukuzwa, ngokuba wakhuphula laba bantu ngamandla akho phakathi kwabo,

[14]babatshele abakhe kuleli zwe; bezwile ukuthi wena Jehova uphakathi kwalaba bantu, babonane nawe Jehova ubuso nobuso; ifu lakho limi phezu kwabo, wena

coluna de nuvem, de dia, e, numa coluna de fogo, de noite.

[15] Se matares este povo como a um só homem, as gentes, pois, que, antes, ouviram a tua fama, dirão:

[16] Não podendo o SENHOR fazer entrar este povo na terra que lhe prometeu com juramento, os matou no deserto.

[17] Agora, pois, rogo-te que a força do meu SENHOR se engrandeça, como tens falado, dizendo:

[18] O SENHOR é longânimo e grande em misericórdia, que perdoa a iniqüidade e a transgressão, ainda que não inocenta o culpado, e visita a iniqüidade dos pais nos filhos até à terceira e quarta gerações.

[19] Perdoa, pois, a iniqüidade deste povo, segundo a grandeza da tua misericórdia e como também tens perdoado a este povo desde a terra do Egito até aqui.

O castigo dado por Deus

Deuteronômio 1.34-40

[20] Tornou-lhe o SENHOR: Segundo a tua palavra, eu lhe perdoei.

[21] Porém, tão certo como eu vivo, e como toda a terra se encherá da glória do SENHOR,

[22] nenhum dos homens que, tendo visto a minha glória e os prodígios que fiz no Egito e no deserto, todavia, me puseram à prova já dez vezes e não obedeceram à minha voz,

uhamba phambi kwabo usensikeni yefu emini nasensikeni yomlilo ebusuku.

[15]Manje-ke uma ubulala laba bantu njengomuntu munye, izizwe ezizwe udumo lwakho ziyakukhuluma zithi:

[16] Ngokuba uJehova ebengenamandla okungenisa abantu bakhe ezweni alifungela kubo, ngalokho ubabulele ehlane.

[17] Kalokhu ake abe makhulu amandla eNkosi njengokusho kwakho ukuthi:

[18] UJehova uyephuza ukuthukuthela, uvame umusa, uthethelela ububi neziphambeko, angayekeli nokho onecala, kepha ahambele ububi bawoyise kubantwana, kuze kube sezizukulwaneni sesithathu nesesine.

[19]Ake uthethelele ububi balaba bantu ngokobukhulu bomusa wakho, njengalokho uyekele laba bantu kusukela eGibithe kuze kube manje.

[20]UJehova wathi: Yebo, ngiyathethelela njengezwi lakho;

[21] kepha impela, kuphila kwami nenkazimulo kaJehova eyakugcwalisa wonke umhlaba,

[22]lokhu bonke labo bantu ababone inkazimulo yami nezibonakaliso zami engazenza eGibithe nasehlane bengilingile kayishumi, abalalela izwi lami,

[23] nenhum deles verá a terra que, com juramento, prometi a seus pais, sim, nenhum daqueles que me desprezaram a verá.

[24] Porém o meu servo Calebe, visto que nele houve outro espírito, e perseverou em seguir-me, eu o farei entrar a terra que espiou, e a sua descendência a possuirá.

[25] Ora, os amalequitas e os cananeus habitam no vale; mudai, amanhã, de rumo e caminhai para o deserto, pelo caminho do mar Vermelho.

[26] Depois, disse o SENHOR a Moisés e a Arão:

[27] Até quando sofrerei esta má congregação que murmura contra mim? Tenho ouvido as murmurações que os filhos de Israel proferem contra mim.

[28] Dize-lhes: Por minha vida, diz o SENHOR, que, como falastes aos meus ouvidos, assim farei a vós outros.

[29] Neste deserto, cairá o vosso cadáver, como também todos os que de vós foram contados segundo o censo, de vinte anos para cima, os que dentre vós contra mim murmurastes;

[30] não entrareis na terra a respeito da qual jurei que vos faria habitar nela, salvo Calebe, filho de Jefoné, e Josué, filho de Num.

[31] Mas os vossos filhos, de que dizeis: Por presa serão, farei entrar nela; e eles conhecerão a terra que vós desprezastes.

[23] abayikubona ngempela izwe engalifungela oyise, futhi aliyikubonwa muntu walabo abangidelela;

[24] kepha inceku yami uKalebi, lokhu wayenomunye umoya, wangilandela ngokupheleleyo, yena ngiyakumngenisa ezweni aya kulo; inzalo yakhe iyakulidla.

[25]Ama-Amaleki namaKhanani akhile esigodini; jikani kusasa, ningene ehlane ngasendleleni eya eLwandle Olubomvu.

[26]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

[27] Koze kube nini le nhlangano embi ikhonona ngami na? Ngizwile ukukhonona kwabantwana bakwa-Israyeli abakhonona ngakho ngami.

[28] Yisho kubo ukuthi: Kuphila kwami, ngiyakwenza kini impela njengalokho nikhulumile ezindlebeni zami:

[29] izidumbu zenu ziyakuwa kuleli hlane, nabo bonke ababalwayo kini njengokomumo wenu wonke, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, abakhononile ngami,

[30]abayikungena ngempela ezweni engaphakamisa ngalo isandla sami ukuthi bengiyakunakhisa kulo, ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune noJoshuwa indodana kaNuni.

[31]Kepha abancane benu enasho ngabo ukuthi bayakuba yimpango, bona ngiyakubangenisa, balazi izwe enalilahla.

[32] Porém, quanto a vós outros, o vosso cadáver cairá neste deserto.

[33] Vossos filhos serão pastores neste deserto quarenta anos e levarão sobre si as vossas infidelidades, até que o vosso cadáver se consuma neste deserto.

[34] Segundo o número dos dias em que espiastes a terra, quarenta dias, cada dia representando um ano, levareis sobre vós as vossas iniqüidades quarenta anos e tereis experiência do meu desagrado.

[35] Eu, o SENHOR, falei; assim farei a toda esta má congregação, que se levantou contra mim; neste deserto, se consumirão e aí falecerão.

[36] Os homens que Moisés mandara a espiar a terra e que, voltando, fizeram murmurar toda a congregação contra ele, infamando a terra,

[37] esses mesmos homens que infamaram a terra morreram de praga perante o SENHOR.

[38] Mas Josué, filho de Num, e Calebe, filho de Jefoné, que eram dos homens que foram espiar a terra, sobreviveram.

O povo derrotado em Horma

Deuteronômio 1.41-46

[39] Falou Moisés estas palavras a todos os filhos de Israel, e o povo se contristou muito.

[40] Levantaram-se pela manhã de madrugada e subiram ao cimo do monte, dizendo: Eis-nos aqui e subiremos ao lugar que o SENHOR tem prometido, porquanto havemos pecado.

[32]Nina-ke, izidumbu zenu ziyakuwa kuleli hlane.

[33] Abantwana benu bayakuba ngabelusi ehlane iminyaka engamashumi amane, bathwale ukuphinga kwenu, izidumbu zenu zize ziqedwe ehlane.

[34]Njengokomumo wezinsuku enahlola ngazo izwe, izinsuku ezingamashumi amane, umnyaka ngosuku, niyakuthwala ububi benu, yebo, iminyaka engamashumi amane, nize nazi ukuthi kunjani uma ngimelana nani.

[35]Mina Jehova ngikhulumile; ngiyakwenza lokho ngempela kuyo yonke le nhlangano embi engihlanganyeleyo; kuleli hlane bayakuqedwa, bafele khona.

[36]Nalawo madoda athunywa nguMose ukuhlola izwe, abuya akhononisa yonke inhlangano ngaye ngokuletha umbiko omubi ngezwe,

[37]wona lawo madoda aletha umbiko omubi ngezwe afa ngesifo phambi kukaJehova.

[38]Kepha uJoshuwa indodana kaNuni noKalebi indodana kaJefune ababenalawo madoda ukuhlola izwe basinda.

[39]UMose wakhuluma lawo mazwi kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli; abantu balila kakhulu.

[40] Bavuka ekuseni kakhulu, benyukela esiqongweni sentaba, bathi: Bhekani, sesilapha, kepha siyakuya endaweni ayithembisile uJehova, ngokuba sonile.

41 Porém Moisés respondeu: Por que transgredis o mandado do SENHOR? Pois isso não prosperará.
42 Não subais, pois o SENHOR não estará no meio de vós, para que não sejais feridos diante dos vossos inimigos.

43 Porque os amalequitas e os cananeus ali estão diante de vós, e caireis à espada; pois, uma vez que vos desviastes do SENHOR, o SENHOR não será convosco.

44 Contudo, temerariamente, tentaram subir ao cimo do monte, mas a arca da Aliança do SENHOR e Moisés não se apartaram do meio do arraial.

45 Então, desceram os amalequitas e os cananeus que habitavam na montanha e os feriram, derrotando-os até Horma.

41UMose wathi: Neqelani izwi likaJehova na? Akuyikuphumelela.

42Ningenyuki, ngokuba uJehova akakho phakathi kwenu, ukuba ningashaywa ebusweni bezitha zenu.
43Ngokuba ama-Amaleki namaKhanani alapho ngaphambi kwenu; niyakuwa ngenkemba, lokhu nibuyele emuva ekumlandeleni uJehova; ngalokho uJehova akayikuba khona phakathi kwenu.
44Ngokuzidla bakhuphukela nokho esiqongweni sentaba, kepha umphongolo wesivumelwano sikaJehova noMose awuphumanga ekamu.
45Ayesehla ama-Amaleki kanye namaKhanani ayehlala kuleyo ntaba, abashaya, abaqothula kwaze kwaba seHorma.

Números 15

Leis a respeito de ofertas

1 Disse o SENHOR a Moisés:
2 Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: Quando entrardes na terra das vossas habitações, que eu vos hei de dar,

3 e ao SENHOR fizerdes oferta queimada, holocausto ou sacrifício, em cumprimento de um voto ou em oferta voluntária, ou, nas vossas festas fixas, apresentardes ao SENHOR aroma agradável com o sacrifício de gado e ovelhas,

UNumeri 15

Isithasiselo semithetho yeminikelo neyezipho zolibo

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:
2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifika ezweni eniyakwakha kulo, engininika lona,
3 nenze umnikelo womlilo kuJehova, umnikelo wokushiswa, noma umhlatshelo wokugcwalisa isithembiso, noma umnikelo wesihle, noma owemikhosi yenu emisiweyo, ukwenza iphunga elimnandi kuJehova, owezinkomo noma owezimvu,

[4] então, aquele que apresentar a sua oferta ao SENHOR, por oferta de manjares, trará a décima parte de um efa de flor de farinha, misturada com a quarta parte de um him de azeite.

[5] E de vinho para libação prepararás a quarta parte de um him para cada cordeiro, além do holocausto ou do sacrifício.

[6] Para cada carneiro prepararás uma oferta de manjares de duas décimas de um efa de flor de farinha, misturada com a terça parte de um him de azeite;

[7] e de vinho para a libação oferecerás a terça parte de um him ao SENHOR, em aroma agradável.

[8] Quando preparares novilho para holocausto ou sacrifício, em cumprimento de um voto ou um sacrifício pacífico ao SENHOR,

[9] com o novilho, trarás uma oferta de manjares de três décimas de um efa de flor de farinha, misturada com a metade de um him de azeite,

[10] e de vinho para a libação trarás a metade de um him, oferta queimada de aroma agradável ao SENHOR.

[11] Assim se fará com todos os novilhos, carneiros, cordeiros e bodes.

[4] khona-ke onikela ngomnikelo wakhe woletha kuJehova umnikelo wempuphu wokweshumi kwempuphu ecolekileyo exovwe nokwesine kwehini lamafutha;

[5]newayini libe ngumnikelo wokuphuzwa, okwesine kwehini ngemvana inye, wolilungisela umnikelo wokushiswa noma umhlatshelo.

[6] Kepha inqama uyakuyilungisela okweshumi okubili kwempuphu ecolekileyo exovwe nokwesithathu kwehini lamafutha, kube ngumnikelo wempuphu;

[7]uyakunikela okwesithathu kwehini lewayini libe ngumnikelo wokuphuzwa nephunga elimnandi kuJehova.

[8] Nxa ulungisa iduna libe ngumnikelo wokushiswa, noma umhlatshelo wokugcwalisa isithembiso, noma kube yiminikelo yokuthula kuJehova,

[9]uyakunikela ngomnikelo wempuphu wokweshumi okuthathu kwempuphu ecolekileyo exovwe nenxenye yehini lamafutha kanye neduna.

[10]Uyakunikela ngenxenye yehini lewayini libe ngumnikelo wokuphuzwa, kube ngumnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova.

[11]Kuyakwenziwa kanjalo ngaleyo naleyo nkunzi, noma ngaleyo naleyo nqama, noma ngaleyo naleyo mvana yeduna, noma ngamazinyane ezimbuzi.

[12] Segundo o número que oferecerdes, assim o fareis para cada um.

[12]Njengokomumo eniwulungisayo niyakwenze njalo kuleyo naleyo njengokomumo wazo.

[13] Todos os naturais assim farão estas coisas, trazendo oferta queimada de aroma agradável ao SENHOR.

[13] Bonke abokuzalwa ekhaya bayakwenza lezo zinto ngaleyo ndlela, benikela ngomnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova.

[14] Se também morar convosco algum estrangeiro ou quem quer que estiver entre vós durante as vossas gerações, e trouxer uma oferta queimada de aroma agradável ao SENHOR, como vós fizerdes, assim fará ele.

[14]Uma umfokazi egogobele kuwe, noma ubani ophakathi kwenu ezizukulwaneni zenu eyakunikela ngomnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova, uyakwenza njengalokhu nenza nina.

[15] Quanto à congregação, haja apenas um estatuto, tanto para vós outros como para o estrangeiro que morar entre vós, por estatuto perpétuo nas vossas gerações; como vós sois, assim será o estrangeiro perante o SENHOR.

[15] Ebandleni kuyakuba yisimiso sinye kini nakumfokazi ogogobeleyo kini, isimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu; njengani uyakuba njalo umfokazi phambi kukaJehova.

[16] A mesma lei e o mesmo rito haverá para vós outros e para o estrangeiro que mora convosco.

[16]Kuyakuba ngumthetho munye nesimiso sinye kinina nakumfokazi ogogobeleyo kini.

[17] Disse mais o SENHOR a Moisés:

[17]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[18] Fala aos filhos de Israel e dize-lhes: Quando chegardes à terra em que vos farei entrar,

[18] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifika ezweni enginiyisa kulo,

[19] ao comerdes do pão da terra, apresentareis oferta ao SENHOR.

[19] kuyakuthi, lapho nidla isinkwa sezwe, ninikele ngomnikelo wokuphakanyiswa kuJehova.

[20] Das primícias da vossa farinha grossa apresentareis um bolo como oferta; como oferta da eira, assim o apresentareis.

[20] Ngolibo lomgqakazo wenu niyakunikela ngeqebelengwane libe ngumnikelo wokuphakanyiswa; njengalokhu nenza umnikelo wokuphakanyiswa wesibuya, niyakuwenza kanjalo.

21 Das primícias da vossa farinha grossa apresentareis ao SENHOR oferta nas vossas gerações.

Os sacrifícios pelos pecados por ignorância
Levítico 4.13-21

22 Quando errardes e não cumprirdes todos estes mandamentos que o SENHOR falou a Moisés,

23 sim, tudo quanto o SENHOR vos tem mandado por Moisés, desde o dia em que o SENHOR ordenou e daí em diante, nas vossas gerações,

24 será que, quando se fizer alguma coisa por ignorância e for encoberta aos olhos da congregação, toda a congregação oferecerá um novilho, para holocausto de aroma agradável ao SENHOR, com a sua oferta de manjares e libação, segundo o rito, e um bode, para oferta pelo pecado.

25 O sacerdote fará expiação por toda a congregação dos filhos de Israel, e lhes será perdoado, porquanto foi erro, e trouxeram a sua oferta, oferta queimada ao SENHOR, e a sua oferta pelo pecado perante o SENHOR, por causa do seu erro.

26 Será, pois, perdoado a toda a congregação dos filhos de Israel e mais ao estrangeiro que habita no meio deles, pois no erro foi envolvido todo o povo.

27 Se alguma pessoa pecar por ignorância, apresentará uma cabra de um ano como oferta pelo pecado.

21Ngolibo lomgqakazo wenu niyakunika uJehova umnikelo wokuphakanyiswa ezizukulwaneni zenu.

22 Nxa niduka ningagcini yonke le miyalo uJehova ayikhulumile kuMose,

23konke uJehova aniyalile ngesandla sikaMose, kusukela osukwini uJehova ayala ngalo nangasemuva ezizukulwaneni zenu,

24 kuyakuthi uma kwenziwe kungengamabomu, futhi kungesemehlweni enhlangano, inhlangano yonke inikele ngeduna libe ngumnikelo wokushiswa wephunga elimnandi kuJehova kanye nomnikelo wayo wempuphu, nomnikelo wayo wokuphuzwa ngokomthetho, nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

25Umpristi uyakuyenzela yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ukubuyisana, baze bathethelelwe, ngokuba kwakungengamabomu, futhi balethile umnikelo wabo, umnikelo womlilo kuJehova, nomnikelo wabo wesono phambi kukaJehova ngesiphosiso sabo;

26yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli iyakuthethelelwa kanye nomfokazi ogogobeleyo kubo, ngokuba kubo bonke abantu kwakungesiphosiso.

27 Uma umuntu ona kungengamabomu, uyakunikela ngembuzikazi enomnyaka munye, ibe ngumnikelo wesono.

[28] O sacerdote fará expiação pela pessoa que errou, quando pecar por ignorância perante o SENHOR, fazendo expiação por ela, e lhe será perdoado.

[29] Para o natural dos filhos de Israel e para o estrangeiro que no meio deles habita, tereis a mesma lei para aquele que isso fizer por ignorância.

[30] Mas a pessoa que fizer alguma coisa atrevidamente, quer seja dos naturais quer dos estrangeiros, injuria ao SENHOR; tal pessoa será eliminada do meio do seu povo,

[31] pois desprezou a palavra do SENHOR e violou o seu mandamento; será eliminada essa pessoa, e a sua iniqüidade será sobre ela.

Castigo pela violação do sábado

[32] Estando, pois, os filhos de Israel no deserto, acharam um homem apanhando lenha no dia de sábado.

[33] Os que o acharam apanhando lenha o trouxeram a Moisés, e a Arão, e a toda a congregação.

[34] Meteram-no em guarda, porquanto ainda não estava declarado o que se lhe devia fazer.

[35] Então, disse o SENHOR a Moisés: Tal homem será morto; toda a congregação o apedrejará fora do arraial.

[36] Levou-o, pois, toda a congregação para fora do arraial, e o apedrejaram; e ele

[28]Umpristi uyakwenzela umuntu ophosisayo ukubuyisana, nxa ona kungengamabomu phambi kukaJehova ukumenzela ukubuyisana, athethelelwe.

[29]Niyakuba nomthetho munye kowenza kungengamabomu, nakowokuzalwa ekhaya phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli nakumfokazi ogogobeleyo phakathi kwabo.

[30] Kepha okwenza ngesandla esiphakemeyo, noma engowokuzalwa ekhaya noma engumfokazi, uyamhlambalaza uJehova; lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

[31]Ngokuba udelele izwi likaJehova, nomyalo wakhe uwaphulile; lowo muntu uyakunqunywa impela, ububi bakhe bube phezu kwakhe.

Ukukhandwa ngamatshe kowaphulile umyalelo wesabatha

[32]Abantwana bakwa-Israyeli besesehlane bafumana umuntu otheza izinkuni ngosuku lwesabatha.

[33]Abamfumana etheza izinkuni bamyisa kuMose naku-Aroni nakuyo yonke inhlangano.

[34] Bambeka ukuba alindwe, ngokuba kwakungakanqunywa ukuthi kuyakwenziwani kuye.

[35]UJehova wathi kuMose: Lowo muntu wobulawa nokubulawa; yonke inhlangano iyakumkhanda ngamatshe ngaphandle kwekamu.

[36]Yonke inhlangano yamkhiphela ngaphandle kwekamu, yamkhanda

morreu, como o SENHOR ordenara a Moisés.

ngamatshe, wafa, njengalokho uJehova emyalile uMose.

A lei acerca das borlas das vestes

Deuteronômio 22.12

[37] Disse o SENHOR a Moisés:

[38] Fala aos filhos de Israel e dize-lhes que nos cantos das suas vestes façam borlas pelas suas gerações; e as borlas em cada canto, presas por um cordão azul.

[39] E as borlas estarão ali para que, vendo-as, vos lembreis de todos os mandamentos do SENHOR e os cumprais; não seguireis os desejos do vosso coração, nem os dos vossos olhos, após os quais andais adulterando,

[40] para que vos lembreis de todos os meus mandamentos, e os cumprais, e santos sereis a vosso Deus.

[41] Eu sou o SENHOR, vosso Deus, que vos tirei da terra do Egito, para vos ser por Deus. Eu sou o SENHOR, vosso Deus.

Isimiso sezinsephe ezingutsheni zabakwa-Israyeli

[37]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[38] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, usho kubo ukuba bazenzele insephe emiphethweni yezingubo zabo ezizukulwaneni zabo, futhi ukuba babeke igoda eliluhlaza ensepheni yemiphetho yonke;

[39]lokhu kuyakuba kini insephe ukuba niyibheke, nikhumbule yonke imiyalo kaJehova, niyenze, ningahambi ngeyenu inhliziyo nangawenu amehlo enanivama ukukulandela ngokuphinga,

[40]ukuba nikhumbule, niyenze yonke imiyalo yami, nibe ngcwele kuNkulunkulu wenu.

[41]NginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe, ngibe nguNkulunkulu wenu; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

Números 16

A rebelião de Corá, Datã e Abirão

[1] Corá, filho de Isar, filho de Coate, filho de Levi, tomou consigo a Datã e a Abirão, filhos de Eliabe, e a Om, filho de Pelete, filhos de Rúben.

[2] Levantaram-se perante Moisés com duzentos e cinqüenta homens dos filhos de Israel, príncipes da congregação, eleitos por ela, varões de renome,

UNumeri 16

Ukwambuka nokujeziswa kukaKora noDathani no-Abiramu

[1]UKora kaJisihari kaKohati kaLevi, kanye noDathani no-Abiramu, amadodana ka-Eliyabe, no-Oni indodana kaPheleti, amadodana kaRubeni, bathatha amadoda,

[2]bamvukela uMose benabathile babantwana bakwa-Israyeli, abangamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, izikhulu zenhlangano, amanxusa ebandla, amadoda adumileyo;

[3] e se ajuntaram contra Moisés e contra Arão e lhes disseram: Basta! Pois que toda a congregação é santa, cada um deles é santo, e o SENHOR está no meio deles; por que, pois, vos exaltais sobre a congregação do SENHOR?

[3]babahlanganyela oMose no-Aroni, bathi kubo: Sekwanele okwenu, lokhu inhlangano yonke ingcwele, bonke bayo, noJehova ekubo; niziphakamiselani, pho, phezu kwebandla likaJehova na?

[4] Tendo ouvido isto, Moisés caiu sobre o seu rosto.

[4]UMose esekuzwile wawa ngobuso bakhe;

[5] E falou a Corá e a todo o seu grupo, dizendo: Amanhã pela manhã, o SENHOR fará saber quem é dele e quem é o santo que ele fará chegar a si; aquele a quem escolher fará chegar a si.

[5]wakhuluma kuKora nakulo iviyo lakhe, wathi: Kusasa uJehova uyakwazisa ukuthi ngubani ongowakhe nokuthi ngubani ongcwele, amsondeze kuye; lowo ayakumkhetha uyakumsondeza kuye.

[6] Fazei isto: tomai vós incensários, Corá e todo o seu grupo;

[6]Yenzani lokhu: zithabatheleni imicengezi yomlilo, wena Kora neviyo lakho lonke,

[7] e, pondo fogo neles amanhã, sobre eles deitai incenso perante o SENHOR; e será que o homem a quem o SENHOR escolher, este será o santo; basta-vos, filhos de Levi.

[7]nifake kuyo umlilo, nibeke impepho kuyo phambi kukaJehova kusasa; kuyakuthi umuntu amkhethayo uJehova, abengcwele; sekwanele okwenu, madodana kaLevi.

[8] Disse mais Moisés a Corá: Ouvi agora, filhos de Levi:

[8]UMose wathi kuKora: Ake nizwe, madodana kaLevi:

[9] acaso, é para vós outros coisa de somenos que o Deus de Israel vos separou da congregação de Israel, para vos fazer chegar a si, a fim de cumprirdes o serviço do tabernáculo do SENHOR e estardes perante a congregação para ministrar-lhe;

[9] kuyinto encane yini kini ukuthi uNkulunkulu ka-Israyeli unahlukanisile nenhlangano ka-Israyeli, wanisondeza kuye ukwenza inkonzo yetabernakele likaJehova nokuma phambi kwenhlangano ukuyikhonza,

[10] e te fez chegar, Corá, e todos os teus irmãos, os filhos de Levi, contigo? Ainda também procurais o sacerdócio?

[10]nokuthi ukusondezile wena, nabafowenu bonke, amadodana kaLevi, kanye nawe na? Senifisa nobupristi futhi na?

[11] Pelo que tu e todo o teu grupo juntos estais contra o SENHOR; e Arão, que é ele para que murmureis contra ele?

[11]Ngalokho wena nalo lonke iviyo lakho nimhlanganyele uJehova; no-Aroni uyini yena ukuba nikhonone ngaye na?

[12] Mandou Moisés chamar a Datã e a Abirão, filhos de Eliabe; porém eles disseram: Não subiremos;

[12]UMose wathuma wabiza oDathani no-Abiramu, amadodana ka-Eliyabe; bathi: Asiyikukhuphuka;

[13] porventura, é coisa de somenos que nos fizeste subir de uma terra que mana leite e mel, para fazer-nos morrer neste deserto, senão que também queres fazer-te príncipe sobre nós?

[13]kuyinto encane yini ukuthi wasikhuphula ezweni elivame ubisi nezinyosi ukuba usibulale ehlane; usuyazenza nesikhulu phezu kwethu na?

[14] Nem tampouco nos trouxeste a uma terra que mana leite e mel, nem nos deste campos e vinhas em herança; pensas que lançarás pó aos olhos destes homens? Pois não subiremos.

[14]Futhi awusingenisanga ezweni elivame ubisi nezinyosi, awusinikanga ifa lamasimu nelezivini; uyakubhoboza amehlo alaba bantu na? Asiyikukhuphuka.

[15] Então, Moisés irou-se muito e disse ao SENHOR: Não atentes para a sua oferta; nem um só jumento levei deles e a nenhum deles fiz mal.

[15] UMose wathukuthela kakhulu, wathi kuJehova: Unganaki umnikelo wabo; angithathanga nayinye imbongolo kubo, futhi angilimazanga namunye kubo.

[16] Disse mais Moisés a Corá: Tu e todo o teu grupo, ponde-vos perante o SENHOR, tu, e eles, e Arão, amanhã.

[16]UMose wayesethi kuKora: Wena yiba nayo yonke inhlangano yakho phambi kukaJehova kusasa, wena, nabo, no-Aroni;

[17] Tomai cada um o seu incensário e neles ponde incenso; trazei-o, cada um o seu, perante o SENHOR, duzentos e cinqüenta incensários; também tu e Arão, cada qual o seu.

[17]thabathani, kube yilowo nalowo umcengezi wakhe womlilo, nibeke impepho kuyo, nilethe phambi kukaJehova kube yilowo nalowo umcengezi wakhe, imicengezi yomlilo engamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nawe futhi no-Aroni, kube yilowo nalowo umcengezi wakhe.

[18] Tomaram, pois, cada qual o seu incensário, neles puseram fogo, sobre eles deitaram incenso e se puseram perante a porta da tenda da congregação com Moisés e Arão.

[18]Base bethatha, kwaba yilowo nalowo umcengezi wakhe womlilo, bafaka kuyo umlilo, babeka impepho ngaphezulu, bema ngasemnyango wetende lokuhlangana kanye noMose no-Aroni.

[19] Corá fez ajuntar contra eles todo o povo à porta da tenda da congregação; então, a glória do SENHOR apareceu a toda a congregação.

[19]UKora wahlanganisela kubo yonke inhlangano ngasemnyango wetende lokuhlangana; inkazimulo kaJehova yabonakala kuyo yonke inhlangano.

Os rebeldes castigados

[20] Disse o SENHOR a Moisés e a Arão:

[20]UJehova wayesekhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

[21] Apartai-vos do meio desta congregação, e os consumirei num momento.

[21] Zahlukaniseni nale nhlangano ukuba ngibaqede ngokuphazima kweso.

[22] Mas eles se prostraram sobre o seu rosto e disseram: Ó Deus, Autor e Conservador de toda a vida, acaso, por pecar um só homem, indignar-te-ás contra toda esta congregação?

[22] Bawa ngobuso babo, bathi: Nkulunkulu, Nkulunkulu wemimoya yenyama yonke, kona umuntu munye, uthukuthelele inhlangano yonke, na?

[23] Respondeu o SENHOR a Moisés:

[23]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[24] Fala a toda esta congregação, dizendo: Levantai-vos do redor da habitação de Corá, Datã e Abirão.

[24] Yisho kuyo inhlangano, uthi: Khuphukani ngasekamu likaKora nelikaDathani nelika-Abiramu.

[25] Então, se levantou Moisés e foi a Datã e a Abirão; e após ele foram os anciãos de Israel.

[25]UMose wavuka waya kuDathani naku-Abiramu; amalunga akwa-Israyeli amlandela.

[26] E disse à congregação: Desviai-vos, peço-vos, das tendas destes homens perversos e não toqueis nada do que é seu, para que não sejais arrebatados em todos os seus pecados.

[26]Wayesekhuluma kuyo inhlangano, wathi: Ake nisuke ematendeni alaba bantu ababi, ningathinti lutho olwabo, funa niqedwe ngezono zabo zonke.

[27] Levantaram-se, pois, do redor da habitação de Corá, Datã e Abirão; e Datã e Abirão saíram e se puseram à porta da sua tenda, juntamente com suas mulheres, seus filhos e suas crianças.

[27]Base bekhuphuka ekamu likaKora nelikaDathani nelika Abiramu nxazonke; oDathani no-Abiramu baphuma, bema ngasemnyango wamatende abo kanye nawomkabo, namadodana abo, nezingane zabo.

[28] Então, disse Moisés: Nisto conhecereis que o SENHOR me enviou a realizar todas estas obras, que não procedem de mim mesmo:

[28]UMose wathi: Niyakwazi ngalokhu ukuthi uJehova ungithumile ukwenza yonke le misebenzi, ngokuba angiyenzanga ngowami umqondo.

[29] se morrerem estes como todos os homens morrem e se forem visitados por qualquer castigo como se dá com todos os homens, então, não sou enviado do SENHOR.

[29]Uma laba bantu befa ngokufa kwabantu bonke, noma behlelwa ngokwehlela abantu bonke, uJehova uyakube kangithumanga.

[30] Mas, se o SENHOR criar alguma coisa inaudita, e a terra abrir a sua boca e os tragar com tudo o que é seu, e vivos descerem ao abismo, então, conhecereis que estes homens desprezaram o SENHOR.

[30]Kepha uma uJehova edala into entsha, umhlaba uvule umlomo wawo, ubagwinye kanye nakho konke okwabo, bashone besezwa endaweni yabafileyo, niyakuqonda ukuthi laba bantu bamdelele uJehova.

[31] E aconteceu que, acabando ele de falar todas estas palavras, a terra debaixo deles se fendeu,

[31]Kwathi eseqedile onke lawo mazwi, umhlaba ophansi kwabo waqhekezeka;

[32] abriu a sua boca e os tragou com as suas casas, como também todos os homens que pertenciam a Corá e todos os seus bens.

[32] umhlaba wavula umlomo wawo, wabagwinya nezindlu zabo, nabantu bonke bakaKora, nempahla yabo yonke.

[33] Eles e todos os que lhes pertenciam desceram vivos ao abismo; a terra os cobriu, e pereceram do meio da congregação.

[33]Bona bashona besezwa nakho konke okwabo endaweni yabafileyo; umhlaba wabagqiba, baqothulwa ebandleni.

[34] Todo o Israel que estava ao redor deles fugiu do seu grito, porque diziam: Não suceda que a terra nos trague a nós também.

[34]Bonke abakwa-Israyeli ababebazungeza babaleka ngokukhala kwabo, ngokuba bathi: Funa umhlaba usigwinye nathi.

[35] Procedente do SENHOR saiu fogo e consumiu os duzentos e cinqüenta homens que ofereciam o incenso.

[35]Umlilo waphuma kuJehova, waqeda abantu abangamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, ababenikele ngempepho.

[36] Disse o SENHOR a Moisés:

[36]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[37] Dize a Eleazar, filho de Arão, o sacerdote, que tome os incensários do meio do incêndio e espalhe o fogo longe, porque santos são;

[37] Yisho ku-Eleyazare indodana ka-Aroni umpristi ukuba akhiphe imicengezi yomlilo ekusheni, wena uwuhlakaze umlilo laphaya, ngokuba ingcwele,

[38] quanto aos incensários daqueles que pecaram contra a sua própria vida, deles se façam lâminas para cobertura do altar; porquanto os trouxeram perante o SENHOR; pelo que santos são e serão por sinal aos filhos de Israel.

[38]imicengezi yalaba boni abone imiphefumulo yabo ibe ngongcwecwe abakhandiweyo abayakulimboza i-altare, ngokuba banikela ngayo phambi kukaJehova; ngalokho ingcwele; iyakuba luphawu kubantwana bakwa-Israyeli.

[39] Eleazar, o sacerdote, tomou os incensários de metal, que tinham trazido aqueles que foram queimados, e os converteram em lâminas para cobertura do altar,

[39]U-Eleyazare umpristi wayithatha imicengezi yethusi abanikele ngayo abashileyo; babakhanda baba yisimbozo se-altare,

[40] por memorial para os filhos de Israel, para que nenhum estranho, que não for da descendência de Arão, se chegue para acender incenso perante o SENHOR; para que não seja como Corá e o seu grupo, como o SENHOR lhe tinha dito por Moisés.

[40]ibe yisikhumbuzo kubantwana bakwa-Israyeli, ukuze umfokazi ongesiye owenzalo ka-Aroni angasondeli ukushisa impepho phambi kukaJehova, angabi njengoKora neviyo lakhe, njengalokho uJehova wakhuluma kuye ngesandla sikaMose.

Novo tumulto e seu castigo

[41] Mas, no dia seguinte, toda a congregação dos filhos de Israel murmurou contra Moisés e contra Arão, dizendo: Vós matastes o povo do SENHOR.

[41]Kepha ngolwangakusasa yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli yakhonona ngoMose nango-Aroni, yathi: Nibabulele abantu bakaJehova.

[42] Ajuntando-se o povo contra Moisés e Arão e virando-se para a tenda da congregação, eis que a nuvem a cobriu, e a glória do SENHOR apareceu.

[42]Kwathi inhlangano isibahlanganyele oMose no-Aroni, babheka ngasetendeni lokuhlangana; bheka, ifu lalisibekela, inkazimulo kaJehova yabonakala.

[43] Vieram, pois, Moisés e Arão perante a tenda da congregação.

[43]OMose no-Aroni bafika ngaphambi kwetende lokuhlangana.

[44] Então, falou o SENHOR a Moisés, dizendo:

[44]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[45] Levantai-vos do meio desta congregação, e a consumirei num momento; então, se prostraram sobre o seu rosto.

[45] Khuphuka kule nhlangano ukuba ngibaqede ngokuphazima kweso. Bawa ngobuso babo.

[46] Disse Moisés a Arão: Toma o teu incensário, põe nele fogo do altar, deita incenso sobre ele, vai depressa à congregação e faze expiação por eles; porque grande indignação saiu de diante do SENHOR; já começou a praga.

[47] Tomou-o Arão, como Moisés lhe falara, correu ao meio da congregação (eis que já a praga havia começado entre o povo), deitou incenso nele e fez expiação pelo povo.

[48] Pôs-se em pé entre os mortos e os vivos; e cessou a praga.

[49] Ora, os que morreram daquela praga foram catorze mil e setecentos, fora os que morreram por causa de Corá.

[50] Voltou Arão a Moisés, à porta da tenda da congregação; e cessou a praga.

Números 17

O bordão de Arão floresce

[1] Disse o SENHOR a Moisés:

[2] Fala aos filhos de Israel e recebe deles bordões, um pela casa de cada pai de todos os seus príncipes, segundo as casas de seus pais, isto é, doze bordões; escreve o nome de cada um sobre o seu bordão.

[3] Porém o nome de Arão escreverás sobre o bordão de Levi; porque cada cabeça da casa de seus pais terá um bordão.

[46]UMose wathi ku-Aroni: Thatha umcengezi wakho womlilo, ubeke kuwo umlilo wase-altare, ufake impepho ngaphezulu, ukuyise masinyane kuyo inhlangano, uyenzele ukubuyisana, ngokuba kuphume intukuthelo kuJehova; isifo sesiqalile.

[47]U-Aroni wayesekuthatha njengalokho ekhulumile uMose, wagijima phakathi kwebandla; bheka, isifo sase siqalile phakathi kwabantu; wabeka impepho, wabenzela abantu ukubuyisana.

[48]Wema phakathi kwabafileyo nabaphilayo; isifo sanqamuka.

[49]Abafile ngesifo babe yizinkulungwane eziyishumi nane namakhulu ayisikhombisa ngaphandle kwalabo abafa ngendaba kaKora.

[50]U-Aroni wabuyela kuMose ngasemnyango wetende lokuhlangana; isifo sanqamuka.

UNumeri 17

Intonga ka-Aroni iyahluma

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Khuluma kubantwana bakwa-Israyeli, uthabathe kubo izintonga, ibe nye kuleyo naleyo ndlu kayise, kuzo zonke izikhulu njengezindlu zawoyise, izintonga eziyishumi nambili; loba wena igama lalowo nalowo muntu entongeni yakhe.

[3]Uyakuloba igama lika-Aroni entongeni kaLevi, ngokuba kuyakuba yintonga inye kuleyo naleyo nhloko yezindlu zawoyise.

[4] E os porás na tenda da congregação, perante o Testemunho, onde eu vos encontrarei.

[5] O bordão do homem que eu escolher, esse florescerá; assim, farei cessar de sobre mim as murmurações que os filhos de Israel proferem contra vós.

[6] Falou, pois, Moisés aos filhos de Israel, e todos os seus príncipes lhe deram bordões; cada um lhe deu um, segundo as casas de seus pais: doze bordões; e, entre eles, o bordão de Arão.

[7] Moisés pôs estes bordões perante o SENHOR, na tenda do Testemunho.

[8] No dia seguinte, Moisés entrou na tenda do Testemunho, e eis que o bordão de Arão, pela casa de Levi, brotara, e, tendo inchado os gomos, produzira flores, e dava amêndoas.

[9] Então, Moisés trouxe todos os bordões de diante do SENHOR a todos os filhos de Israel; e eles o viram, e tomou cada um o seu bordão.

[10] Disse o SENHOR a Moisés: Torna a pôr o bordão de Arão perante o Testemunho, para que se guarde por sinal para filhos rebeldes; assim farás acabar as suas murmurações contra mim, para que não morram.

[11] E Moisés fez assim; como lhe ordenara o SENHOR, assim fez.

[12] Então, falaram os filhos de Israel a Moisés, dizendo: Eis que expiramos, perecemos, perecemos todos.

[4]Uyakuzibekela etendeni lokuhlangana ngaphambi kobufakazi, lapho ngihlangana khona nawe.

[5]Kuyakuthi umuntu engiyakumkhetha, intonga yakhe ihlume, ngenze ukuba kuphele ngakimi ukukhonona kwabantwana bakwa-Israyeli abakhonona ngakho ngani.

[6]UMose wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli, zonke izikhulu zamnika izintonga ngayinye kuleso naleso sikhulu njengezindlu zawoyise, izintonga eziyishumi nambili.

[7]UMose wazibeka izintonga phambi kukaJehova etendeni lobufakazi.

[8] Kwathi ngolwangakusasa uMose wangena etendeni lobufakazi; bheka, intonga ka-Aroni yendlu kaLevi ibisihlumile, ivezile imiqumbe, iqhakazile izimbali, ithele ama-alimondi avuthiweyo.

[9]UMose wakhiphela bonke abantwana bakwa-Israyeli zonke izintonga ngaphambi kukaJehova, babheka, yilowo nalowo wathatha intonga yakhe.

[10]UJehova wathi kuMose: Buyisa intonga ka-Aroni ngaphambi kobufakazi, igcinwe ibe luphawu kubahlubuki, ukuze uqede ukukhonona kwabo ngami ukuba bangafi.

[11]UMose wenze njalo; njengalokho uJehova emyalile, wenze njalo-ke.

[12]Abantwana bakwa-Israyeli bakhuluma kuMose, bathi: Bheka, siyaphela, siyashabalala, sishabalala sonke.

[13] Todo aquele que se aproximar do tabernáculo do SENHOR morrerá; acaso, expiraremos todos?

Números 18

Deveres e direitos dos sacerdotes

[1] Disse o SENHOR a Arão: Tu, e teus filhos, e a casa de teu pai contigo levareis sobre vós a iniqüidade relativamente ao santuário; tu e teus filhos contigo levareis sobre vós a iniqüidade relativamente ao vosso sacerdócio.

[2] Também farás chegar contigo a teus irmãos, a tribo de Levi, a tribo de teu pai, para que se ajuntem a ti e te sirvam, quando tu e teus filhos contigo estiverdes perante a tenda do Testemunho.

[3] Farão o serviço que lhes é devido para contigo e para com a tenda; porém não se aproximarão dos utensílios do santuário, nem do altar, para que não morram, nem eles, nem vós.

[4] Ajuntar-se-ão a ti e farão todo o serviço da tenda da congregação; o estranho, porém, não se chegará a vós outros.

[5] Vós, pois, fareis o serviço do santuário e o do altar, para que não haja outra vez ira contra os filhos de Israel.

[6] Eu, eis que tomei vossos irmãos, os levitas, do meio dos filhos de Israel; são dados a vós outros para o SENHOR, para servir na tenda da congregação.

[13]Bonke abasondelayo abasondela etabernakele likaJehova bayakufa; siyakuphela sonke na?

UNumeri 18

Umsebenzi wabapristi nowamaLevi

[1]UJehova wathi ku-Aroni: Wena namadodana akho nendlu kayihlo kanye nawe niyakuthwala ububi bendlu engcwele; wena namadodana akho kanye nawe niyakuthwala ububi bobupristi benu.

[2] Nabafowenu, isizwe sakwaLevi, isizwe sikayihlo, sondela nabo ukuba bahlanganiswe nawe, bakukhonze; kepha wena namadodana akho kanye nawe niyakuba ngaphambi kwetende lobufakazi.

[14]Niyakunikela imizi emithathu ngaphesheya kweJordani, ninikele imizi emithathu ezweni laseKhanani ibe yimizi yokuphephela.

[15] Serão de refúgio estas seis cidades para os filhos de Israel, e para o estrangeiro, e para o que se hospedar no meio deles, para que, nelas, se acolha aquele que matar alguém involuntariamente.

[15]Kubantwana bakwa-Israyeli, nakumfokazi, nakogogobeleyo phakathi kwabo lemizi iyakuba ngeyokuphephela ukuba yilowo nalowo obulala umuntu kungengamabomu abalekele khona.

Execução do homicida
Deuteronômio 19.11-13

Imithetho yababulali

[16] Todavia, se alguém ferir a outrem com instrumento de ferro, e este morrer, é homicida; o homicida será morto.

[16] Kepha uma umuntu eshaya omunye ngento yensimbi aze afe, ungumbulali; umbulali wobulawa nokubulawa.

[17] Ou se alguém ferir a outrem, com pedra na mão, que possa causar a morte, e este morrer, é homicida; o homicida será morto.

[18] Ou se alguém ferir a outrem com instrumento de pau que tiver na mão, que possa causar a morte, e este morrer, é homicida; o homicida será morto.

[19] O vingador do sangue, ao encontrar o homicida, matá-lo-á.

[20] Se alguém empurrar a outrem com ódio ou com mau intento lançar contra ele alguma coisa, e ele morrer,

[21] ou, por inimizade, o ferir com a mão, e este morrer, será morto aquele que o feriu; é homicida; o vingador do sangue, ao encontrar o homicida, matá-lo-á.

Privilégios oferecidos pelas cidades de refúgio
Deuteronômio 19.4-10

[22] Porém, se o empurrar subitamente, sem inimizade, ou contra ele lançar algum instrumento, sem mau intento,

[23] ou, não o vendo, deixar cair sobre ele alguma pedra que possa causar-lhe a morte, e ele morrer, não sendo ele seu inimigo, nem o tendo procurado para o mal,

[24] então, a congregação julgará entre o matador e o vingador do sangue, segundo estas leis,

[25] e livrará o homicida da mão do vingador do sangue, e o fará voltar à sua cidade de refúgio, onde se tinha acolhido; ali, ficará

[17]Uma emshaya ngetshe elisesandleni sakhe, umuntu angafa ngalo, aze afe, ungumbulali; umbulali wobulawa nokubulawa.

[18]Uma emshaya ngesikhali somuthi esisesandleni sakhe, umuntu angafa ngaso, aze afe, ungumbulali; umbulali wobulawa nokubulawa.

[19]Umphindiseli wegazi uyakumbulala umbulali uqobo lwakhe; lapho ehlangana naye, uyakumbulala.

[20]Uma emgqula ngenzondo noma emphonsa emqamekele aze afe,

[21]noma emshaya ngesandla sakhe ngobutha aze afe, omshayileyo wobulawa nokubulawa; ungumbulali; umphindiseli wegazi uyakumbulala umbulali, lapho ehlangana naye.

[22] Kepha uma emgqula engazelele kungengabutha, noma emphonsa ngento engamqamekelanga,

[23]noma ngetshe umuntu angafa ngalo, engamboni, amphonse ngalo aze afe, engeyiso isitha sakhe, ebengafuni futhi ukumona,

[24]khona inhlangano iyakwahlulela phakathi koshayileyo nomphindiseli wegazi ngokwalezi zahlulelo;

[25]inhlangano imophule umbulali esandleni somphindiseli wegazi, inhlangano imbuyisele emzini wakhe wokuphephela lapho ebebalekele khona,

até à morte do sumo sacerdote, que foi ungido com o santo óleo.

26 Porém, se, de alguma sorte, o homicida sair dos limites da sua cidade de refúgio, onde se tinha acolhido,

27 e o vingador do sangue o achar fora dos limites dela, se o vingador do sangue matar o homicida, não será culpado do sangue.

28 Pois deve ficar na sua cidade de refúgio até à morte do sumo sacerdote; porém, depois da morte deste, o homicida voltará à terra da sua possessão.

29 Estas coisas vos serão por estatuto de direito a vossas gerações, em todas as vossas moradas.

30 Todo aquele que matar a outrem será morto conforme o depoimento das testemunhas; mas uma só testemunha não deporá contra alguém para que morra.

31 Não aceitareis resgate pela vida do homicida que é culpado de morte; antes, será ele morto.

32 Também não aceitareis resgate por aquele que se acolher à sua cidade de refúgio, para tornar a habitar na sua terra, antes da morte do sumo sacerdote.

33 Assim, não profanareis a terra em que estais; porque o sangue profana a terra; nenhuma expiação se fará pela terra por causa do sangue que nela for derramado, senão com o sangue daquele que o derramou.

ahlale kuwo aze afe umpristi omkhulu owayegcotshiwe ngamafutha angcwele.

26 Kepha uma umbulali edlula ngesikhathi esithile umkhawulo womuzi wakhe wokuphephela lapho ebalekele khona,

27umphindiseli wegazi emfica ngaphandle komkhawulo womuzi wakhe wokuphephela, umphindiseli wegazi embulala umbulali, akayikuba nacala legazi,

28ngokuba nga ehlalile emzini wakhe wokuphephela waze wafa umpristi omkhulu; kepha emva kokufa kompristi omkhulu umbulali uyakubuyela ezweni eliyifa lakhe.

29 Lezi zinto ziyakuba yisimiso sesahlulelo kini ezizukulwaneni zenu kuzo zonke izindlu zenu.

30 Noma ubani obulala umuntu, umbulali uyakubulawa ngemilomo yawofakazi; kepha ufakazi oyedwa akayikufakazela muntu aze afe.

31 Futhi aniyikuthatha ihlawulo lokuphila kombulali onecala lokubulala, kodwa wobulawa nokubulawa.

32 Aniyikuthatha ihlawulo lobalekele emzini wakhe wokuphephela ukuba abuye ahlale ezweni, engakafi umpristi.

33 Aniyikungcolisa izwe enikulo, ngokuba igazi liyalingcolisa izwe; alikho ihlawulo lezwe ngegazi elichithakele kulo, kuphela ngegazi lolichithile.

[34] Não contaminareis, pois, a terra na qual vós habitais, no meio da qual eu habito; pois eu, o SENHOR, habito no meio dos filhos de Israel.

Números 36

Casamento de herdeiras

[1] Chegaram os cabeças das casas paternas da família dos filhos de Gileade, filho de Maquir, filho de Manassés, das famílias dos filhos de José, e falaram diante de Moisés e diante dos príncipes, cabeças das casas paternas dos filhos de Israel,

[2] e disseram: O SENHOR ordenou a meu senhor que dê esta terra por sorte em herança aos filhos de Israel; e a meu senhor foi ordenado pelo SENHOR que a herança do nosso irmão Zelofeade se desse a suas filhas.

[3] Porém, casando-se elas com algum dos filhos das outras tribos dos filhos de Israel, então, a sua herança seria diminuída da herança de nossos pais e acrescentada à herança da tribo a que vierem pertencer; assim, se tiraria da nossa herança que nos tocou em sorte.

[4] Vindo também o Ano do Jubileu dos filhos de Israel, a herança delas se acrescentaria à herança da tribo daqueles a que vierem pertencer; assim, a sua herança será tirada da tribo de nossos pais.

[5] Então, Moisés deu ordem aos filhos de Israel, segundo o mandado do SENHOR,

[34] Aniyikungcolisa izwe enakhe kulo, ngokuba mina Jehova ngihlala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

UNumeri 36

Ukugana kwamadodakazi kaSelofehadi

[1] Izinhloko zezindlu zawoyise bomndeni wabantwana bakwaGileyadi kaMakiri kaManase, abemindeni yamadodana kaJosefa, zasondela, zakhuluma phambi kukaMose naphambi kwezikhulu, izinhloko zezindlu zawoyise babantwana bakwa-Israyeli,

[2] zathi: UJehova wayiyala inkosi yami ukubanika abantwana bakwa-Israyeli izwe libe yifa labo ngenkatho; inkosi yami yayalwa futhi nguJehova ukuba ifa likaSelofehadi umfowethu iwanike lona amadodakazi akhe.

[3]Uma egana amadodana ezinye izizwe zabantwana bakwa-Israyeli, ifa lawo liyakususwa efeni lawobaba, lithasiselwe efeni laleso sizwe ayakuba ngawaso, kususwe efeni lezwe lethu.

[4] Lapho liyakuba khona ijubili labantwana bakwa-Israyeli, ifa lawo liyakuthasiselwa efeni lalesosizwe ayakuba ngawaso, ifa lawo lisuswe efeni lesizwe sawobaba.

[5]UMose wabayala abantwana bakwa-Israyeli njengezwi likaJehova, wathi:

dizendo: A tribo dos filhos de José fala o que é justo.

6 Esta é a palavra que o SENHOR mandou acerca das filhas de Zelofeade, dizendo: Sejam por mulheres a quem bem parecer aos seus olhos, contanto que se casem na família da tribo de seu pai.

7 Assim, a herança dos filhos de Israel não passará de tribo em tribo; pois os filhos de Israel se hão de vincular cada um à herança da tribo de seus pais.

8 Qualquer filha que possuir alguma herança das tribos dos filhos de Israel se casará com alguém da família da tribo de seu pai, para que os filhos de Israel possuam cada um a herança de seus pais.

9 Assim, a herança não passará de uma tribo a outra; pois as tribos dos filhos de Israel se hão de vincular cada uma à sua herança.

10 Como o SENHOR ordenara a Moisés, assim fizeram as filhas de Zelofeade,

11 pois Macla, Tirza, Hogla, Milca e Noa, filhas de Zelofeade, se casaram com os filhos de seus tios paternos.

12 Casaram-se nas famílias dos filhos de Manassés, filho de José, e a herança delas permaneceu na tribo da família de seu pai.

13 São estes os mandamentos e os juízos que ordenou o SENHOR, por intermédio de Moisés, aos filhos de Israel nas

Isizwe samadodana kaJosefa sikhulume kahle.

6Yilokho ayala ngakho uJehova ngamadodakazi kaSelofehadi, ethi: Mawagane njengokuhle emehlweni awo, kodwa agane nokho emndenini wesizwe sikayise.

7Ifa labantwana bakwa-Israyeli aliyikuhamba izizwe ngezizwe, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bayakunamathela, kube yilowo nalowo efeni lesizwe sawoyise.

8Yileyo naleyo ndodakazi enefa esizweni esithile sabantwana bakwa-Israyeli iyakuba ngumfazi womndeni wesizwe sikayise, ukuze yilowo nalowo wabantwana bakwa-Israyeli abe nefa lawoyise.

9Ifa aliyikuhamba izizwe ngezizwe, ngokuba izizwe zabantwana bakwa-Israyeli ziyakunamathela, kube yileso naleso efeni laso.

10Njengalokho uJehova emyalile uMose, enze njalo-ke amadodakazi kaSelofehadi,

11ngokuba oMahela, noTirisa, noHogila, noMilka, noNowa, amadodakazi kaSelofehadi, agana amadodana awoyisekazi.

12Agana emindenini yamadodana kaManase indodana kaJosefa, nefa lawo lahlala esizweni somndeni kayise.

13Leyo iyimiyalo nezahlulelo uJehova ayala ngakho ngesandla sikaMose abantwana bakwa-Israyeli emathafeni akwaMowabi ngaseJordani ngaseJeriko.

campinas de Moabe, junto ao Jordão, na altura de Jericó.

O quinto livro de Moisés chamado Deuteronômio

Deuteronômio 1

O Primeiro Discurso de Moisés na Planície do Jordão
Moisés conta a história de Israel

1 São estas as palavras que Moisés falou a todo o Israel, dalém do Jordão, no deserto, na Arabá, defronte do mar de Sufe, entre Parã, Tofel, Labã, Hazerote e Di-Zaabe.

2 Jornada de onze dias há desde Horebe, pelo caminho da montanha de Seir, até Cades-Barnéia.

3 Sucedeu que, no ano quadragésimo, no primeiro dia do undécimo mês, falou Moisés aos filhos de Israel, segundo tudo o que o SENHOR lhe mandara a respeito deles,

4 depois que feriu a Seom, rei dos amorreus, que habitava em Hesbom, e a Ogue, rei de Basã, que habitava em Astarote, em Edrei.

5 Além do Jordão, na terra de Moabe, encarregou-se Moisés de explicar esta lei, dizendo:

6 O SENHOR, nosso Deus, nos falou em Horebe, dizendo: Tempo bastante haveis estado neste monte.

7 Voltai-vos e parti; ide à região montanhosa dos amorreus, e a todos os seus vizinhos, na Arabá, e à região montanhosa, e à baixada, e ao Neguebe, e à costa marítima, terra dos cananeus, e ao Líbano, até ao grande rio Eufrates.

UDuteronomi

UDuteronomi 1

UMose ulanda ngokwenzekileyo ekuhambeni kwabakwa-Israyeli ehlane

1 Lawa angamazwi uMose awakhuluma kubo bonke abakwa-Israyeli ngaphesheya kweJordani ehlane e-Araba, malungana neSufi, phakathi kwePharanu, neThofeli, neLabani, neHaseroti, neDi Zahabi,

2 kuyizinsuku eziyishumi nanye ukusuka eHorebe ngendlela yasentabeni yaseSeyiri ukuya eKadeshi Barineya.

3 Kwathi ngomnyaka wamashumi amane ngenyanga yeshumi nanye ngolokuqala lwenyanga uMose wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli njengakho konke uJehova amyale ngakho ukuba akukhulume kubo,

4 esenqobile uSihoni inkosi yama-Amori, owahlala eHeshiboni, no-Ogi inkosi yaseBashani, owahlala e-Ashitaroti ngase-Edireyi.

5 Ngaphesheya kweJordani ezweni lakwaMowabi uMose waqala ukuchasisela lo mthetho ngokuthi:

6 UJehova uNkulunkulu wethu wakhuluma kithi eHorebe, wathi: Sekuyisikhathi eside nihlale kule ntaba;

7 phendukani nihambe, niye entabeni yama-Amori nasezindaweni zonke eziseduze nakhona e-Araba, ezintabeni, nangenzansi, naseningizimu, nangasogwini lolwandle, ezweni

lamaKhanani, naseLebanoni, kuze kube semfuleni omkhulu, umfula u-Ewufrathe.

[8] Eis aqui a terra que eu pus diante de vós; entrai e possuí a terra que o SENHOR, com juramento, deu a vossos pais, Abraão, Isaque e Jacó, a eles e à sua descendência depois deles.

[8] Bhekani, ngilibekile izwe phambi kwenu; ngenani nilidle izwe uJehova alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe ukulinika bona nenzalo yabo emva kwabo.

A nomeação de auxiliares
Êxodo 18.13-27

[9] Nesse mesmo tempo, eu vos disse: eu sozinho não poderei levar-vos.

[9] Ngakhuluma kini ngaleso sikhathi, ngathi: Anginakunithwala mina ngedwa;

[10] O SENHOR, vosso Deus, vos tem multiplicado; e eis que, já hoje, sois multidão como as estrelas dos céus.

[10] uJehova uNkulunkulu wenu unandisile; bhekani, namuhla ningangezinkanyezi zezulu ngobuningi.

[11] O SENHOR, Deus de vossos pais, vos faça mil vezes mais numerosos do que sois e vos abençoe, como vos prometeu.

[11]UJehova uNkulunkulu wawoyihlo makathasisele kulokhu eniyikho kayinkulungwane, anibusise, njengalokho wakhuluma kini.

[12] Como suportaria eu sozinho o vosso peso, a vossa carga e a vossa contenda?

[12]Mina ngedwa ngingathwala kanjani izinhlupheko zenu, nemithwalo yenu, nokuxabana kwenu na?

[13] Tomai-vos homens sábios, inteligentes e experimentados, segundo as vossas tribos, para que os ponha por vossos cabeças.

[13]Nizithathele amadoda ahlakaniphileyo, aqondileyo, aziwayo ezizweni zenu, ngiwenze abe yizinhloko phezu kwenu.

[14] Então, me respondestes e dissestes: É bom cumprir a palavra que tens falado.

[14] Nangiphendula nathi: Okukhulumileyo kuhle kithi ukukwenza.

[15] Tomei, pois, os cabeças de vossas tribos, homens sábios e experimentados, e os fiz cabeças sobre vós, chefes de milhares, chefes de cem, chefes de cinqüenta, chefes de dez e oficiais, segundo as vossas tribos.

[15] Ngase ngithatha izinhloko zezizwe zenu, amadoda ahlakaniphileyo naziwayo, ngawenza aba yizinhloko phezu kwenu: izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakhulu, nezinduna zamashumi ayisihlanu, nezinduna zamashumi, neziphathimandla ezizweni zenu.

[16] Nesse mesmo tempo, ordenei a vossos juízes, dizendo: ouvi a causa entre vossos

[16]Ngabayala abahluleli benu ngaleso sikhathi, ngathi: Zwanini okuphakathi

irmãos e julgai justamente entre o homem e seu irmão ou o estrangeiro que está com ele.

kwabafowenu, nahlulele ngokulungileyo phakathi komuntu nomfowabo, nomfokazi okuye.

17 Não sereis parciais no juízo, ouvireis tanto o pequeno como o grande; não temereis a face de ninguém, porque o juízo é de Deus; porém a causa que vos for demasiadamente difícil fareis vir a mim, e eu a ouvirei.

17 Maningakhethi abantu ekwahluleleni, nimuzwe omncane njengomkhulu, ningesabi ubuso bamuntu, ngokuba ukwahlulela kungokukaNkulunkulu; indaba elukhuni kini niyilethe kimi, ngiyizwe.

18 Assim, naquele tempo, vos ordenei todas as coisas que havíeis de fazer.

18Nganiyala ngaleso sikhathi ngakho konke ebeniyakukwenza.

Doze homens foram enviados para espiar a terra de Canaã

Números 13.1-24

19 Então, partimos de Horebe e caminhamos por todo aquele grande e terrível deserto que vistes, pelo caminho da região montanhosa dos amorreus, como o SENHOR, nosso Deus, nos ordenara; e chegamos a Cades-Barnéia.

19 Sasuka eHorebe, sadabula lelo hlane elikhulu nelesabekayo enalibonayo ngasendleleni yasentabeni yama-Amori, njengalokho uJehova uNkulunkulu wethu wasiyala, saze safika eKadeshi Barineya.

20 Então, eu vos disse: tendes chegado à região montanhosa dos amorreus, que o SENHOR, nosso Deus, nos dá.

20Ngase ngithi kini: Senifikile entabeni yama-Amori uJehova uNkulunkulu wethu asinika yona.

21 Eis que o SENHOR, teu Deus, te colocou esta terra diante de ti. Sobe, possui-a, como te falou o SENHOR, Deus de teus pais: Não temas e não te assustes.

21Bhekani, uJehova uNkulunkulu wenu ulibekile izwe phambi kwenu: khuphukani nilidle, njengalokho uJehova uNkulunkulu wawoyihlo akhuluma kini; ningesabi, ningapheli amandla.

22 Então, todos vós vos chegastes a mim e dissestes: Mandemos homens adiante de nós, para que nos espiem a terra e nos digam por que caminho devemos subir e a que cidades devemos ir.

22 Nasondela kimi nina nonke, nathi: Masithume amadoda phambi kwethu ukuba asihlolele izwe, asibuyisele izwi ngendlela esimelwe ukukhuphuka ngayo, nangemizi esiyakufika kuyo.

23 Isto me pareceu bem; de maneira que tomei, dentre vós, doze homens, de cada tribo um homem.

23 Leyo nto yaba nhle emehlweni ami, ngathatha kini amadoda ayishumi nambili, kwaba yindoda inye kuleso naleso sizwe.

[24] E foram-se, e subiram à região montanhosa, e, espiando a terra, vieram até o vale de Escol,

[24]Wona ayesephenduka, akhuphukela entabeni, afika esiGodini sase-Eshikoli, asihlola.

[25] e tomaram do fruto da terra nas mãos, e no-lo trouxeram, e nos informaram, dizendo: É terra boa que nos dá o SENHOR, nosso Deus.

[25]Athatha ngezandla zawo ezithelweni zezwe, azehlisela kithi, asibuyisela izwi, athi: Yizwe elihle uJehova uNkulunkulu wethu asinika lona.

O relatório dos espias recebido com incredulidade

Números 13.25-33

[26] Porém vós não quisestes subir, mas fostes rebeldes à ordem do SENHOR, vosso Deus.

[26] Nokho anithandanga ukukhuphuka, kepha nahlubuka esiyalezweni sikaJehova uNkulunkulu wenu;

[27] Murmurastes nas vossas tendas e dissestes: Tem o SENHOR contra nós ódio; por isso, nos tirou da terra do Egito para nos entregar nas mãos dos amorreus e destruir-nos.

[27] nakhonona ematendeni enu, nathi: Ngokuba uJehova wasizonda, wasikhipha ezweni laseGibithe ukuba asinikele esandleni sama-Amori, sichithwe.

[28] Para onde subiremos? Nossos irmãos fizeram com que se derretesse o nosso coração, dizendo: Maior e mais alto do que nós é este povo; as cidades são grandes e fortificadas até aos céus. Também vimos ali os filhos dos anaquins.

[28]Siyakukhuphukelaphi na? Abafowethu benzile izinhliziyo zethu ziphele amandla ngokusho ukuthi: Abantu bakhulu, bade kunathi; imizi mikhulu, ibiyelwe kuze kube sezulwini; futhi sibonile amadodana ama-Anaki khona.

[29] Então, eu vos disse: não vos espanteis, nem os temais.

[29] Ngase ngithi kini: Ningashaywa luvalo, ningabesabi.

[30] O SENHOR, vosso Deus, que vai adiante de vós, ele pelejará por vós, segundo tudo o que fez conosco, diante de vossos olhos, no Egito,

[30] UJehova uNkulunkulu wenu ohamba phambi kwenu uyakunilwela njengakho konke anenzela khona eGibithe emehlweni enu,

[31] como também no deserto, onde vistes que o SENHOR, vosso Deus, nele vos levou, como um homem leva a seu filho, por todo o caminho pelo qual andastes, até chegardes a este lugar.

[31] nasehlane lapho ubone khona ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakuthwala njengendoda ithwala indodana yayo, endleleni yonke enahamba ngayo, naze nafika kule ndawo.

[32] Mas nem por isso crestes no SENHOR, vosso Deus,

[32] Noma kunjalo, anikholwanga nokho nguJehova uNkulunkulu wenu

[33] que foi adiante de vós por todo o caminho, para vos procurar o lugar onde deveríeis acampar; de noite, no fogo, para vos mostrar o caminho por onde havíeis de andar, e, de dia, na nuvem.

O castigo de Deus
Números 14.20-38

[34] Tendo, pois, ouvido o SENHOR as vossas palavras, indignou-se e jurou, dizendo:

[35] Certamente, nenhum dos homens desta maligna geração verá a boa terra que jurei dar a vossos pais,

[36] salvo Calebe, filho de Jefoné; ele a verá, e a terra que pisou darei a ele e a seus filhos, porquanto perseverou em seguir ao SENHOR.

[37] Também contra mim se indignou o SENHOR por causa de vós, dizendo: Também tu lá não entrarás.

[38] Josué, filho de Num, que está diante de ti, ele ali entrará; anima-o, porque ele fará que Israel a receba por herança.

[39] E vossos meninos, de quem dissestes: Por presa serão; e vossos filhos, que, hoje, nem sabem distinguir entre bem e mal, esses ali entrarão, e a eles darei a terra, e eles a possuirão.

[40] Porém vós virai-vos e parti para o deserto, pelo caminho do mar Vermelho.

O povo derrotado em Horma
Números 14.39-45

[41] Então, respondestes e me dissestes: Pecamos contra o SENHOR; nós subiremos

[33] owahamba phambi kwenu endleleni ukunifunela indawo ukuba nimise kuyo amatende enu, ngomlilo ebusuku ukunibonisa indlela ebeniyakuhamba ngayo, nangefu emini.

[34] UJehova wezwa izwi lokukhuluma kwenu, wathukuthela, wafunga wathi:

[35] Impela akuyikubona noyedwa walaba bantu balesi sizukulwane esibi izwe elihle engafunga ukubanika lona oyihlo,

[36]ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune; yena uyakulibona; ngiyakumnika yena nabantwana bakhe izwe alinyatheleyo, ngokuba umlandele uJehova wakhe ngokupheleleyo.

[37] Futhi uJehova wangithukuthelela ngenxa yenu, wathi: Nawe awuyikungena khona;

[38]uJoshuwa indodana kaNuni omi phambi kwakho uyakungena khona; mqinise wena, ngokuba uyakumenza u-Israyeli adle ifa lalo.

[39] Abancane benu enasho ukuthi bayakuba yimpango, nabantwana benu abangakwazi namuhla okuhle nokubi bayakungena khona, ngibanike lona, balidle.

[40]Kepha nina anophenduka, nihambe, niye ehlane ngendlela eya eLwandle Olubomvu.

[41] Nase niphendula, nithi kimi: Sonile kuJehova; siyakukhuphuka silwe

e pelejaremos, segundo tudo o que nos ordenou o SENHOR, nosso Deus. Vós vos armastes, cada um dos seus instrumentos de guerra, e vos mostrastes temerários em subindo à região montanhosa.

[42] Disse-me o SENHOR: Dize-lhes: Não subais, nem pelejeis, pois não estou no meio de vós, para que não sejais derrotados diante dos vossos inimigos.

[43] Assim vos falei, e não escutastes; antes, fostes rebeldes às ordens do SENHOR e, presunçosos, subistes às montanhas.

[44] Os amorreus que habitavam naquela região montanhosa vos saíram ao encontro; e vos perseguiram como fazem as abelhas e vos derrotaram desde Seir até Horma.

[45] Tornastes-vos, pois, e chorastes perante o SENHOR, porém o SENHOR não vos ouviu, não inclinou os ouvidos a vós outros.

[46] Assim, permanecestes muitos dias em Cades.

Deuteronômio 2

A jornada de Cades até Zerede

[1] Depois, viramo-nos, e seguimos para o deserto, caminho do mar Vermelho como o SENHOR me dissera, e muitos dias rodeamos a montanha de Seir.

[2] Então, o SENHOR me falou, dizendo:

[3] Tendes já rodeado bastante esta montanha; virai-vos para o norte.

[4] Ordena ao povo, dizendo: Passareis pelos limites de vossos irmãos, os filhos de Esaú,

njengakho konke asiyala ngakho uJehova uNkulunkulu wethu. Nabhincisa, kwaba yilowo nalowo izikhali zakhe zokulwa; kwase kuba lula kini ukuba nikhuphukele entabeni.

[42] UJehova wayesethi kimi: Yisho kubo ukuthi: Ningakhuphuki, ningalwi, ngokuba angikho phakathi kwenu, ukuze ningabulawa phambi kwezitha zenu.

[43] Ngakhuluma-ke kanjalo kini, analalela, kepha nahlubuka ezwini likaJehova, naziqhenya, nakhuphukela entabeni.

[44]Ama-Amori ayehlala kuleyo ntaba aphuma anihlasela, anixosha njengokwenza kwezinyosi, aninqoba eSeyiri, kwaze kwaba seHorma.

[45]Nabuye nakhala phambi kukaJehova, kepha uJehova akalalelanga izwi lenu, kanizwanga.

[46]Nase nihlala eKadeshi izinsuku eziningi njengezinsuku enazihlala khona.

UDuteronomi 2

Inkulumo kaMose isaqhubeka

[1] Sase siphenduka sahamba, saya ehlane ngendlela eya eLwandle Olubomvu, njengalokho ebeshilo kimi uJehova. Sazungeza intaba yaseSeyiri izinsuku eziningi.

[2] UJehova wakhuluma kimi, wathi:

[3]Sekuyisikhathi niyizungeza le ntaba; phendukani, niye ngasenyakatho.

[4] Yala abantu ngokuthi: Niyakudabula umkhawulo wabafowenu, abantwana

que habitam em Seir; e eles terão medo de vós; portanto, guardai-vos bem.

5 Não vos entremetais com eles, porque vos não darei da sua terra nem ainda a pisada da planta de um pé; pois a Esaú dei por possessão a montanha de Seir.

6 Comprareis deles, por dinheiro, comida que comais; também água que bebais comprareis por dinheiro.

7 Pois o SENHOR, teu Deus, te abençoou em toda a obra das tuas mãos; ele sabe que andas por este grande deserto; estes quarenta anos o SENHOR, teu Deus, esteve contigo; coisa nenhuma te faltou.

8 Passamos, pois, flanqueando assim nossos irmãos, os filhos de Esaú, que habitavam em Seir, como o caminho da Arabá, de Elate e de Eziom-Geber, viramo-nos e seguimos o caminho do deserto de Moabe.

9 Então, o SENHOR me disse: Não molestes Moabe e não contendas com eles em peleja, porque te não darei possessão da sua terra; pois dei Ar em possessão aos filhos de Ló.

10 (Os emins, dantes, habitavam nela, povo grande, numeroso e alto como os anaquins;

11 também eles foram considerados refains, como os anaquins; e os moabitas lhes chamavam emins.

12 Os horeus também habitavam, outrora, em Seir; porém os filhos de Esaú os

bakwa-Esawu abahlala eSeyiri; bayakunesaba, kepha maniqaphele nokho,

5 ningalwi nabo, ngokuba angiyikuninika izwe labo, ngisho nendawo yamathe onyawo, lokhu ngimnikile u-Esawu intaba yaseSeyiri ibe yifa lakhe.

6Niyakuthenga kubo ukudla ngemali ukuba nidle, nithenge kubo futhi amanzi ngemali ukuba niphuze.

7 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho ukubusisile emsebenzini wonke wesandla sakho; ukwazile ukuhamba kwakho kuleli hlane elikhulu; nakule minyaka engamashumi amane uJehova uNkulunkulu wakho waba nawe, awuswelanga lutho.

8 Sase sidlula sisuka kubafowethu, abantwana bakwa-Esawu abahlala eSeyiri, sashiya indlela yase-Araba, ne-Elati, ne-Esiyoni Geberi. Saphenduka sadlula ngendlela yasehlane lakwaMowabi.

9 UJehova wayesethi kimi: Ungakhathazi uMowabi, ungalwi nabo ekulweni, ngokuba angiyikukunika izwe lakhe libe yifa, lokhu ngibanikile abantwana bakwaLoti i-Ari libe yifa labo.

10 Kwakuhlala khona kuqala ama-Emi, abantu abakhulu, abaningi, abade njengama-Anaki;

11laba bathiwa namaRefa njengama-Anaki, kepha abakwaMowabi bababiza ngokuthi ama-Emi.

12 AmaHori nawo ayehlala eSeyiri kuqala, kepha abantwana bakwa-Esawu

desapossaram, e os destruíram de diante de si, e habitaram no lugar deles, assim como Israel fez à terra da sua possessão, que o SENHOR lhes tinha dado.)

bawaxosha, bawachitha phambi kwabo, bakha esikhundleni sawo njengalokho u-Israyeli enza kulo izwe elaliyifa lakhe, aphiwe lona nguJehova.

13 Levantai-vos, agora, e passai o ribeiro de Zerede; assim, passamos o ribeiro de Zerede.

13 Sukani kalokhu, niwele umfula iZeredi. Sase siwela-ke umfula iZeredi.

14 O tempo que caminhamos, desde Cades-Barnéia até passarmos o ribeiro de Zerede, foram trinta e oito anos, até que toda aquela geração dos homens de guerra se consumiu do meio do arraial, como o SENHOR lhes jurara.

14 Izinsuku esahamba ngazo sisuka eKadeshi Barineya saze sawela umfula iZeredi zaziyiminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili, kwaze kwaphela isizukulwane samadoda empi phakathi kwekamu, njengalokho uJehova afunga kuwo.

15 Também foi contra eles a mão do SENHOR, para os destruir do meio do arraial, até os haver consumido.

15Futhi isandla sikaJehova sasimelene nawo ukuwachitha phakathi kwekamu, aze aphela.

A travessia de Ar e Arnom

16 Sucedeu que, consumidos já todos os homens de guerra pela morte, do meio do povo,

16 Kwathi onke amadoda empi esephelile afa phakathi kwabantu,

17 o SENHOR me falou, dizendo:

17uJehova wakhuluma kimi, wathi:

18 Hoje, passarás por Ar, pelos limites de Moabe,

18 Wena uyakuwela i-Ari, umkhawulo wakwaMowabi;

19 e chegarás até defronte dos filhos de Amom; não os molestes e com eles não contendas, porque da terra dos filhos de Amom te não darei possessão, porquanto aos filhos de Ló a tenho dado por possessão.

19 lapho ususondela malungana nabantwana bakwa-Amoni, ungabakhathazi, ungalwi nabo, ngokuba angiyikukunika izwe labantwana bakwa-Amoni libe yifa lenu, lokhu ngibanikile lona abantwana bakwaLoti libe yifa labo.

20 (Também esta é considerada terra dos refains; dantes, habitavam nela refains, e os amonitas lhes chamavam zanzumins,

20Nalelo lithiwa izwe lamaRefa; amaRefa ahlala khona kuqala; kepha abakwa-Amoni bawabiza ngokuthi amaZamuzumi,

21 povo grande, numeroso e alto como os anaquins; o SENHOR os destruiu diante

21abantu abakhulu, abaningi, abade njengama-Anaki; kepha uJehova

dos amonitas; e estes, tendo-os desapossado, habitaram no lugar deles;

[22] assim como fez com os filhos de Esaú que habitavam em Seir, de diante dos quais destruiu os horeus. Os filhos de Esaú, tendo-os desapossado, habitaram no lugar deles até este dia;

[23] também os caftorins que saíram de Caftor destruíram os aveus, que habitavam em vilas até Gaza, e habitaram no lugar deles.)

[24] Levantai-vos, parti e passai o ribeiro de Arnom; eis aqui na tua mão tenho dado a Seom, amorreu, rei de Hesbom, e a sua terra; passa a possuí-la e contende com eles em peleja.

[25] Hoje, começarei a meter o terror e o medo de ti aos povos que estão debaixo de todo o céu; os que ouvirem a tua fama tremerão diante de ti e se angustiarão.

Vitória sobre Seom, rei de Hesbom
Números 21.21-30

[26] Então, mandei mensageiros desde o deserto de Quedemote a Seom, rei de Hesbom, com palavras de paz, dizendo:

[27] deixa-me passar pela tua terra; somente pela estrada irei; não me desviarei para a direita nem para a esquerda.

[28] A comida que eu coma vender-me-ás por dinheiro e dar-me-ás também por dinheiro a água que beba; tão-somente deixa-me passar a pé,

[29] como fizeram comigo os filhos de Esaú, que habitam em Seir, e os moabitas, que

wabachitha phambi kwabo; babaxosha, bakha esikhundleni sabo,

[22]njengalokho ebenzela abantwana bakwa-Esawu ababehlala eSeyiri, lapho ewachitha amaHori phambi kwabo, bawaxosha, bahlala esikhundleni sawo kuze kube namuhla;

[23]kanjalo nama-Avi ayehlala emizaneni kwaze kwaba seGaza, anqoba amaKafitori ayevela eKafitori, akha esikhundleni sawo.

[24] Sukani nihambe, niwele umfula i-Arinoni; bhekani, nginikele esandleni sakho uSihoni umAmori, inkosi yaseHeshiboni, nezwe lakhe: qala ukulidla, ulwe naye ekulweni.

[25] Namuhla ngiyakuqala ukubeka uvalo nokukwesaba phezu kwezizwe zonke eziphansi kwezulu, eziyakuzwa indaba yakho, zithuthumele, ziqhaqhazele ngenxa yakho.

[26] Ngase ngithuma izithunywa kuSihoni inkosi yaseHeshiboni, zisuka ehlane laseKedemoti, zinamazwi okuthula, ngokuthi:

[27]Mangidabule izwe lakho; ngiyakuhamba ngomgwaqo, ngingajiki ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo.

[28]Uyakuthengisa kimi ukudla ngemali ukuba ngidle, ningiphe amanzi ngemali ukuba ngiphuze; mangidabule kuphela ngezinyawo,

[29]njengalokho bangenzela abantwana bakwa-Esawu ababehlala eSeyiri

habitam em Ar; até que eu passe o Jordão, à terra que o SENHOR, nosso Deus, nos dá.

nabakwaMowabi ababehlala e-Ari, ngize ngiwele iJordani, ngingene ezweni uJehova uNkulunkulu wethu asinika lona.

[30] Mas Seom, rei de Hesbom, não nos quis deixar passar por sua terra, porquanto o SENHOR, teu Deus, endurecera o seu espírito e fizera obstinado o seu coração, para to dar nas mãos, como hoje se vê.

[30]Kepha uSihoni inkosi yaseHeshiboni akasivumelanga ukuba sidlule kuye, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho wenza lukhuni umoya wakhe, wenza ukuba ibe nenkani inhliziyo yakhe, ukuze amnikele esandleni sakho njenganamuhla.

[31] Disse-me, pois, o SENHOR: Eis aqui, tenho começado a dar-te Seom e a sua terra; passa a desapossá-lo, para lhe ocupares o país.

[31] UJehova wayesethi kimi: Bheka, ngiqalile ukunikela uSihoni nezwe lakhe phambi kwakho: qala ukulidla ukuba udle ifa lezwe lakhe.

[32] Então, Seom saiu-nos ao encontro, ele e todo o seu povo, à peleja em Jasa.

[32] USihoni waphuma wasihlasela, yena nabo bonke abantu bakhe, ukuzokulwa eJahasi.

[33] E o SENHOR, nosso Deus, no-lo entregou, e o derrotamos, a ele, e a seus filhos, e a todo o seu povo.

[33]UJehova uNkulunkulu wethu wamnikela phambi kwethu, samnqoba yena namadodana akhe nabantu bakhe bonke.

[34] Naquele tempo, tomamos todas as suas cidades e a cada uma destruímos com os seus homens, mulheres e crianças; não deixamos sobrevivente algum.

[34]Sathatha yonke imizi yakhe ngaleso sikhathi, sachitha saqeda yonke imizi enamadoda nabesifazane nezingane; asishiyanga muntu;

[35] Somente tomamos, por presa, o gado para nós e o despojo das cidades que tínhamos tomado.

[35]izinkomo kuphela sazithathela zona zaba yimpango yethu kanye nempango yemizi esasiyithathile.

[36] Desde Aroer, que está à borda do vale de Arnom, e a cidade que nele está, até Gileade, nenhuma cidade houve alta demais para nós; tudo isto o SENHOR, nosso Deus, nos entregou.

[36]Kusukela e-Aroweri elisosebeni lomfula i-Arinoni nasemzini osesigodini kuze kube kwaGileyadi akubangakho muzi owasahlula ngokuphakama; uJehova uNkulunkulu wethu wayinikela yonke phambi kwethu;

[37] Somente à terra dos filhos de Amom não chegaste; nem a toda a borda do ribeiro de

[37]izwe labantwana bakwa-Amoni nokho awusondelanga kulo, uhlangothi lomfula

Jaboque, nem às cidades da região montanhosa, nem a lugar algum que nos proibira o SENHOR, nosso Deus.

iJakobi, nemizi esezintabeni, nakuphi lapho uNkulunkulu wasenqabela khona.

Deuteronômio 3

Vitória sobre Ogue, rei de Basã

Números 21.31-35

1 Depois, nos viramos e subimos o caminho de Basã; e Ogue, rei de Basã, nos saiu ao encontro, ele e todo o seu povo, à peleja em Edrei.

2 Então, o SENHOR me disse: Não temas, porque a ele, e todo o seu povo, e sua terra dei na tua mão; e far-lhe-ás como fizeste a Seom, rei dos amorreus, que habitava em Hesbom.

3 Deu-nos o SENHOR, nosso Deus, em nossas mãos também a Ogue, rei de Basã, e a todo o seu povo; e ferimo-lo, até que lhe não ficou nenhum sobrevivente.

4 Nesse tempo, tomamos todas as suas cidades; nenhuma cidade houve que lhe não tomássemos: sessenta cidades, toda a região de Argobe, o reino de Ogue, em Basã.

5 Todas estas cidades eram fortificadas com altos muros, portas e ferrolhos; tomamos também outras muitas cidades, que eram sem muros.

6 Destruímo-las totalmente, como fizemos a Seom, rei de Hesbom, fazendo perecer, por completo, cada uma das cidades com os seus homens, suas mulheres e crianças.

7 Porém todo o gado e o despojo das cidades tomamos para nós, por presa.

UDuteronomi 3

Inkulumo kaMose isaqhubeka

1 Sase siphenduka sakhuphuka ngendlela eya eBashani; u-Ogi inkosi yaseBashani waphuma wasihlasela, yena nabo bonke abantu bakhe, ukuzokulwa ngase-Edireyi.

2 UJehova wayesethi kimi: Ungamesabi, ngokuba ngimnikele yena nabo bonke abantu bakhe nezwe lakhe esandleni sakho, wena wenze kuye, njengalokho wenza kuSihoni inkosi yama-Amori, owahlala eHeshiboni.

3 UJehova uNkulunkulu wethu wayesenikela esandleni sethu naye u-Ogi inkosi yaseBashani nabantu bakhe bonke; samnqoba, akwaze kwasala muntu kuye.

4Sathatha yonke imizi yakhe ngaleso sikhathi; akubangakho muzi esingawuthathanga kubo: imizi engamashumi ayisithupha, sonke isifunda sase-Arigobi, umbuso ka-Ogi eBashani.

5Yonke lena yayiyimizi ebiyelwe ngezingange eziphakemeyo, namasango, nemigoqo, ngaphandle kwemizana eminingi kakhulu.

6Sayichitha sayiqeda, njengalokho senza kuSihoni inkosi yaseHeshiboni, sichitha siqeda yonke imizi enamadoda nabesifazane nezingane.

7 Kepha izinkomo nempango yemizi sakuthatha kwaba yimpango yethu.

[8] Assim, nesse tempo, tomamos a terra da mão daqueles dois reis dos amorreus que estavam dalém do Jordão: desde o rio de Arnom até ao monte Hermom

[9] (Os sidônios a Hermom chamam Siriom; porém os amorreus lhe chamam Senir.),

[10] tomamos todas as cidades do planalto, e todo o Gileade, e todo o Basã, até Salca e Edrei, cidades do reino de Ogue, em Basã

[11] (Porque só Ogue, rei de Basã, restou dos refains; eis que o seu leito, leito de ferro, não está, porventura, em Rabá dos filhos de Amom, sendo de nove côvados o seu comprimento, e de quatro, a sua largura, pelo côvado comum?).

Distribuição da Transjordânia
Números 32.33-42

[12] Tomamos, pois, esta terra em possessão nesse tempo; desde Aroer, que está junto ao vale de Arnom, e a metade da região montanhosa de Gileade, com as suas cidades, dei aos rubenitas e gaditas.

[13] O resto de Gileade, como também todo o Basã, o reino de Ogue, dei à meia tribo de Manassés; toda aquela região de Argobe, todo o Basã, se chamava a terra dos refains.

[14] Jair, filho de Manassés, tomou toda a região de Argobe até ao limite dos gesuritas e maacatitas, isto é, Basã, e às aldeias chamou pelo seu nome: Havote-Jair, até o dia de hoje.

[8] Salithatha ngaleso sikhathi izwe esandleni samakhosi ama-Amori aphesheya kweJordani, kusukela esigodini sase-Arinoni kuze kube sentabeni yaseHermoni

[9]eliyiHermoni elibizwa ngamaSidoni ngokuthi iSiriyoni nama-Amori alibiza ngokuthi iSeniri

[10]yonke imizi yasethafeni, nalo lonke elakwaGileyadi, nalo lonke iBashani kuze kube seSaleka nase-Edireyi, imizi yasembusweni ka-Ogi eBashani.

[11]Ngokuba u-Ogi kuphela, inkosi yaseBashani, wasala ensalini yamaRefa; bheka, ibhokisi lakhe laliyibhokisi lensimbi; angithi liseRaba kubantwana bakwa-Amoni; ubude balo babuyizingalo eziyisishiyagalolunye, nobubanzi balo buyizingalo ezine, ngokwengalo yomuntu.

[12] Lelo zwe salidla ngaleso sikhathi; izwe elisukela e-Aroweri elisesigodini sase-Arinoni, nenxenye yezintaba zakwaGileyadi, nemizi yalo, sabanika khona abakwaRubeni nabakwaGadi;

[13]insali yakwaGileyadi, nalo lonke iBashani, umbuso ka-Ogi, nganika lokho inxenye yesizwe sakwaManase, sonke isifunda sase-Arigobi neBashani lonke elibizwa ngokuthi izwe lamaRefa.

[14] UJayire indodana kaManase wathatha sonke isifunda sase-Arigobi kuze kube semkhawulweni wamaGeshuri nowamaMahakhathi, wasibiza -- lona

[15] A Maquir dei Gileade.

[16] Mas aos rubenitas e gaditas dei desde Gileade até ao vale de Arnom, cujo meio serve de limite; e até ao ribeiro de Jaboque, o limite dos filhos de Amom,

[17] como também a Arabá e o Jordão por limite, desde Quinerete até ao mar da Arabá, o mar Salgado, pelas faldas de Pisga, para o oriente.

[18] Nesse mesmo tempo, vos ordenei, dizendo: o SENHOR, vosso Deus, vos deu esta terra, para a possuirdes; passai, pois, armados, todos os homens valentes, adiante de vossos irmãos, os filhos de Israel.

[19] Tão-somente vossas mulheres, e vossas crianças, e vosso gado (porque sei que tendes muito gado) ficarão nas vossas cidades que já vos tenho dado,

[20] até que o SENHOR dê descanso a vossos irmãos como a vós outros, para que eles também ocupem a terra que o SENHOR, vosso Deus, lhes dá além do Jordão; então, voltareis cada qual à sua possessão que vos dei.

[21] Também, nesse tempo, dei ordem a Josué, dizendo: os teus olhos vêem tudo o que o SENHOR, vosso Deus, tem feito a estes dois reis; assim fará o SENHOR a todos os reinos a que tu passarás.

iBashani -- ngegama lakhe ngokuthi iHawoti Jayire kuze kube namuhla.

[15] Ngamnika uMakiri elakwaGileyadi.

[16]AbakwaRubeni nabakwaGadi ngabanika okusukela kwaGileyadi kuze kube sesigodini sase-Arinoni phakathi nesigodi kwaba ngumkhawulo nasemfuleni iJakobi elingumkhawulo wabantwana bakwa-Amoni,

[17] ne-Araba futhi, neJordani elingumkhawulo, kusukela eKinereti kuze kube seLwandle lwase-Araba, uLwandle Lukasawoti, phansi kwemithambeka yasePisiga ngasempumalanga.

[18] Ngaleso sikhathi nganiyala ngathi: UJehova uNkulunkulu wenu uninikile leli zwe ukuba nilidle; niyakuwela nihlomile phambi kwabafowenu, abantwana bakwa-Israyeli, nonke eningamadoda anesibindi.

[19]Kepha omkenu, nabancane benu, nezinkomo zenu -- ngiyazi ukuthi ninezinkomo eziningi -- bayakuhlala emizini yenu engininike yona,

[20]uJehova aze aphe abafowenu ukuphumula njengani, nabo balidle izwe uJehova uNkulunkulu wenu ayakubanika lona ngaphesheya kweJordani, andukuba nibuyele, kube yilowo nalowo ezweni lakhe engininike lona.

[21] Ngamyala uJoshuwa ngaleso sikhathi, ngathi: Amehlo akho abonile konke uJehova uNkulunkulu wenu akwenzile kulawo makhosi amabili: kanjalo uJehova

uyakwenza kuyo yonke imibuso eniyidabulayo.

[22] Não os temais, porque o SENHOR, vosso Deus, é o que peleja por vós.

[22]Aniyikubesaba, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu nguyena onilwelayo.

A oração de Moisés para entrar em Canaã

Números 27.12-23

[23] Também eu, nesse tempo, implorei graça ao SENHOR, dizendo:

[23] Ngaleso sikhathi ngacela kuJehova, ngathi:

[24] Ó SENHOR Deus! Passaste a mostrar ao teu servo a tua grandeza e a tua poderosa mão; porque que deus há, nos céus ou na terra, que possa fazer segundo as tuas obras, segundo os teus poderosos feitos?

[24] Nkosi Jehova, uqalile ukubonisa inceku yakho ubukhulu bakho nesandla sakho esinamandla, ngokuba ngumuphi unkulunkulu ezulwini nasemhlabeni ongenza njengemisebenzi yakho nanjengezenzo zakho zamandla na?

[25] Rogo-te que me deixes passar, para que eu veja esta boa terra que está dalém do Jordão, esta boa região montanhosa e o Líbano.

[25]Ake ngiwele, ngilibone izwe elihle elingaphesheya kweJordani, leyo ntaba enhle, neLebanoni.

[26] Porém o SENHOR indignou-se muito contra mim, por vossa causa, e não me ouviu; antes, me disse: Basta! Não me fales mais nisto.

[26] Kepha uJehova wangithukuthelela ngenxa yenu, akangizwanga; uJehova wayesethi kimi: Mawudele; ungabe usakhuluma nami ngale ndaba.

[27] Sobe ao cimo de Pisga, levanta os olhos para o ocidente, e para o norte, e para o sul, e para o oriente e contempla com os próprios olhos, porque não passarás este Jordão.

[27] Khuphukela esiqongweni sasePisiga, uphakamisele amehlo akho ngasentshonalanga, nangasenyakatho, nangaseningizimu, nangasempumalanga, ulibheke ngamehlo akho, ngokuba awuyikuliwela leli Jordani.

[28] Dá ordens a Josué, e anima-o, e fortalece-o; porque ele passará adiante deste povo e o fará possuir a terra que tu apenas verás.

[28] Kepha yala uJoshuwa, umqunge isibindi, umqinise, ngokuba uyakuwela phambi kwalaba bantu, abenze ukuba balidle izwe oyakulibona.

[29] Assim, ficamos no vale defronte de Bete-Peor.

[29]Sahlala-ke esigodini esimalungana neBeti Peyori.

Deuteronômio 4

Moisés exorta o povo à obediência

UDuteronomi 4

Inkulumo kaMose isaqhubeka

[1] Agora, pois, ó Israel, ouve os estatutos e os juízos que eu vos ensino, para os cumprirdes, para que vivais, e entreis, e possuais a terra que o SENHOR, Deus de vossos pais, vos dá.

[2] Nada acrescentareis à palavra que vos mando, nem diminuireis dela, para que guardeis os mandamentos do SENHOR, vosso Deus, que eu vos mando.

[3] Os vossos olhos viram o que o SENHOR fez por causa de Baal-Peor; pois a todo homem que seguiu a Baal-Peor o SENHOR, vosso Deus, consumiu do vosso meio.

[4] Porém vós que permanecestes fiéis ao SENHOR, vosso Deus, todos, hoje, estais vivos.

[5] Eis que vos tenho ensinado estatutos e juízos, como me mandou o SENHOR, meu Deus, para que assim façais no meio da terra que passais a possuir.

[6] Guardai-os, pois, e cumpri-os, porque isto será a vossa sabedoria e o vosso entendimento perante os olhos dos povos que, ouvindo todos estes estatutos, dirão: Certamente, este grande povo é gente sábia e inteligente.

[7] Pois que grande nação há que tenha deuses tão chegados a si como o SENHOR, nosso Deus, todas as vezes que o invocamos?

[8] E que grande nação há que tenha estatutos e juízos tão justos como toda esta lei que eu hoje vos proponho?

[1] Manje-ke, Israyeli, yizwa izimiso nezahlulelo enginifundisa zona ukuba nizenze, nize niphile, ningene nilidle izwe uJehova uNkulunkulu wawoyihlo aninika lona.

[2] Aniyikuthasisela ezwini enginiyala ngalo, ninganciphisi futhi kulo, ukuba nigcine imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu enginiyala ngayo.

[3] Amehlo enu abonile okwenziwa nguJehova ngenxa kaBali Peyori ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho wabachitha phakathi kwakho bonke abantu ababemlandela uBali Peyori.

[4]Kodwa nina enanamathela kuJehova uNkulunkulu wenu nisekhona nonke nanamuhla.

[5] Bhekani, nginifundisile izimiso nezahlulelo njengokungiyala kukaJehova uNkulunkulu wami ukuthi niyakwenza kanjalo phakathi kwezwe eningena kulo ukulidla.

[6]Ngalokho manizigcine, nizenze, ngokuba lokhu kungukuhlakanipha kwenu nokuqonda kwenu emehlweni ezizwe eziyakuzizwa zonke lezi zimiso, zithi: Impela lesi sizwe esikhulu singabantu abahlakaniphileyo nabaqondileyo.

[7] Ngokuba yisiphi isizwe esikhulu esinonkulunkulu oseduze naso njengoJehova uNkulunkulu wethu, enjalo nanini lapho simbiza, na?

[8] Yisiphi isizwe esikhulu esinezimiso nezahlulelo ezilungile njengawo wonke lo

[9] Tão-somente guarda-te a ti mesmo e guarda bem a tua alma, que te não esqueças daquelas coisas que os teus olhos têm visto, e se não apartem do teu coração todos os dias da tua vida, e as farás saber a teus filhos e aos filhos de teus filhos.

[10] Não te esqueças do dia em que estiveste perante o SENHOR, teu Deus, em Horebe, quando o SENHOR me disse: Reúne este povo, e os farei ouvir as minhas palavras, a fim de que aprenda a temer-me todos os dias que na terra viver e as ensinará a seus filhos.

[11] Então, chegastes e vos pusestes ao pé do monte; e o monte ardia em fogo até ao meio dos céus, e havia trevas, e nuvens, e escuridão.

[12] Então, o SENHOR vos falou do meio do fogo; a voz das palavras ouvistes; porém, além da voz, não vistes aparência nenhuma.

[13] Então, vos anunciou ele a sua aliança, que vos prescreveu, os dez mandamentos, e os escreveu em duas tábuas de pedra.

[14] Também o SENHOR me ordenou, ao mesmo tempo, que vos ensinasse estatutos e juízos, para que os cumprísseis na terra a qual passais a possuir.

[15] Guardai, pois, cuidadosamente, a vossa alma, pois aparência nenhuma vistes no

mthetho engiwubeka phambi kwenu namuhla na?

[9] Kepha xwaya, ugcine kahle umphefumulo wakho, funa ukhohlwe izinto azibonayo amehlo akho, zimuke enhliziyweni yakho izinsuku zonke zokuhamba kwakho; bazise zona abantwana bakho nabantwana babantwana bakho:

[10]usuku owema ngalo phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho eHorebe, lapho uJehova wathi kimi: Ngibuthele abantu, ngibezwise amazwi ami ukuba bafunde ukungesaba zonke izinsuku zokuhamba kwabo emhlabeni, bafundise nabantwana babo.

[11]Nase nisondela, nema phansi kwentaba; intaba yavutha umlilo kwaze kwaba phakathi kwezulu, inobumnyama, namafu, nesigayegaye.

[12]UJehova wayesekhuluma kini ephakathi komlilo; nezwa izwi likhuluma, kepha anibonanga simo, kwakuyizwi kuphela.

[13] Wanimemezelela isivumelwano sakhe aniyala ngaso ukuba nisenze, imiyalelo eyishumi; wayiloba ezibhebheni ezimbili zamatshe.

[14]UJehova wanginika ngaleso sikhathi ukunifundisa izimiso nezahlulelo ukuba nizenze ezweni eningena kulo ukulidla.

[15] Gcinani kahle imiphefumulo yenu, lokhu ningabonanga simo ngalolo suku

dia em que o SENHOR, vosso Deus, vos falou em Horebe, no meio do fogo;

16 para que não vos corrompais e vos façais alguma imagem esculpida na forma de ídolo, semelhança de homem ou de mulher,

17 semelhança de algum animal que há na terra, semelhança de algum volátil que voa pelos céus,

18 semelhança de algum animal que rasteja sobre a terra, semelhança de algum peixe que há nas águas debaixo da terra.

19 Guarda-te não levantes os olhos para os céus e, vendo o sol, a lua e as estrelas, a saber, todo o exército dos céus, sejas seduzido a inclinar-te perante eles e dês culto àqueles, coisas que o SENHOR, teu Deus, repartiu a todos os povos debaixo de todos os céus.

20 Mas o SENHOR vos tomou e vos tirou da fornalha de ferro do Egito, para que lhe sejais povo de herança, como hoje se vê.

21 Também o SENHOR se indignou contra mim, por vossa causa, e jurou que eu não passaria o Jordão e não entraria na boa terra que o SENHOR, teu Deus, te dá por herança.

22 Porque eu morrerei neste lugar, não passarei o Jordão; porém vós o passareis e possuireis aquela boa terra.

23 Guardai-vos não vos esqueçais da aliança do SENHOR, vosso Deus, feita

uJehova akhuluma ngalo kini eHorebe ephakathi komlilo,

16 funa none, nizenzele izithombe ezibaziweyo, isimo somfanekiso wowesilisa noma owowesifazane,

17 noma umfanekiso wesilwane esisemhlabeni, noma umfanekiso wenyoni enamaphiko, endizayo emkhathini,

18noma umfanekiso wesilwanyana esinwabuzelayo emhlabeni, noma umfanekiso wenhlanzi esemanzini phansi komhlaba,

19 funa uphakamisele amehlo akho ezulwini, nalapho ubona ilanga nenyanga nezinkanyezi, lonke ibandla lezulu, uyengwe, uze ukhuleke kukho, ukukhonze, okwabelwe izizwe zonke eziphansi kwezulu nguJehova uNkulunkulu wakho.

20Kepha uJehova wakuthatha, wakukhipha esithandweni sensimbi, iGibithe, ube ngabantu befa kuye njenganamuhla.

21 Futhi uJehova wangithukuthelela ngenxa yenu, wafunga ukuthi angiyikuwela iJordani nokuthi angiyikungena kulelo zwe elihle uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho,

22kepha ngimelwe ukufa mina kulelizwe, ngingaweli iJordani; kodwa nina niyakuwela, nilidle lelo zwe elihle.

23Xwayani, funa nikhohlwe isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu owasenza

convosco, e vos façais alguma imagem esculpida, semelhança de alguma coisa que o SENHOR, vosso Deus, vos proibiu.

nani ngokuzenzela izithombe ezibaziweyo ngomfanekiso wento uJehova uNkulunkulu wakho akwenqabela yona.

24 Porque o SENHOR, teu Deus, é fogo que consome, é Deus zeloso.

24 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho ungumlilo oqothulayo, unguNkulunkulu onomhawu.

25 Quando, pois, gerardes filhos e filhos de filhos, e vos envelhecerdes na terra, e vos corromperdes, e fizerdes alguma imagem esculpida, semelhança de alguma coisa, e fizerdes mal aos olhos do SENHOR, teu Deus, para o provocar à ira,

25 Nxa uyakuzala abantwana nabantwana babantwana, nanxa senihlale isikhathi eside ezweni, none, nenze izithombe ezibaziweyo ngomfanekiso wento ethile, nenze okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho, nimthukuthelise,

26 hoje, tomo por testemunhas contra vós outros o céu e a terra, que, com efeito, perecereis, imediatamente, da terra a qual, passado o Jordão, ides possuir; não prolongareis os vossos dias nela; antes, sereis de todo destruídos.

26 ngifakazisa namuhla izulu nomhlaba ngani ukuthi niyakuphela nokuphela masinyane ezweni eniwela iJordani ukuya kulo ukuba nilidle; aniyikwandisa izinsuku zenu kulo: niyakuqothulwa nokuqothulwa.

27 O SENHOR vos espalhará entre os povos, e restareis poucos em número entre as gentes aonde o SENHOR vos conduzirá.

27 UJehova uyakunihlakazela ezizweni, nisale niyingcosana phakathi kwabezizwe, lapho uJehova eyakuniholela khona.

28 Lá, servireis a deuses que são obra de mãos de homens, madeira e pedra, que não vêem, nem ouvem, nem comem, nem cheiram.

28 Lapho niyakukhonza onkulunkulu, umsebenzi wezandla zabantu, imithi namatshe, abangaboni, abangezwa, abangahogeli.

29 De lá, buscarás ao SENHOR, teu Deus, e o acharás, quando o buscares de todo o teu coração e de toda a tua alma.

29 Uma nina niselapho nimfuna uJehova uNkulunkulu wenu, niyakumfumana, uma nimfuna ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo wenu.

30 Quando estiveres em angústia, e todas estas coisas te sobrevierem nos últimos dias, e te voltares para o SENHOR, teu Deus, e lhe atenderes a voz,

30Uma usekuhluphekeni, zikwehlela zonke lezi zinto, uyakuphendukela kuJehova uNkulunkulu wakho ngezinsuku zokugcina, ulalele izwi lakhe,

31 então, o SENHOR, teu Deus, não te desamparará, porquanto é Deus

31ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu onomusa;

misericordioso, nem te destruirá, nem se esquecerá da aliança que jurou a teus pais.

akayikukushiya, angakubhubhisi, angakhohlwa isivumelwano sawoyihlo asifungela bona.

32 Agora, pois, pergunta aos tempos passados, que te precederam, desde o dia em que Deus criou o homem sobre a terra, desde uma extremidade do céu até à outra, se sucedeu jamais coisa tamanha como esta ou se se ouviu coisa como esta;

32 Ngokuba ake ubuze izinsuku ezidlulileyo ezaziphambi kwakho, kusukela osukwini uNkulunkulu adala ngalo umuntu emhlabeni, kusukela kolunye uhlangothi lwezulu kuze kufike kolunye, uma kwake kwaba khona into engaka nokuba kwake kwezwakala okungangayo na?

33 ou se algum povo ouviu falar a voz de algum deus do meio do fogo, como tu a ouviste, ficando vivo;

33 Abantu bake balizwa yini izwi likaNkulunkulu likhuluma livela phakathi komlilo, njengalokho wena uzwile, baphile, na?

34 ou se um deus intentou ir tomar para si um povo do meio de outro povo, com provas, e com sinais, e com milagres, e com peleja, e com mão poderosa, e com braço estendido, e com grandes espantos, segundo tudo quanto o SENHOR, vosso Deus, vos fez no Egito, aos vossos olhos.

34UNkulunkulu wake walinga yini ukuhamba eyozithabathela isizwe phakathi kwesinye isizwe ngezilingo, nangezibonakaliso, nangezimangaliso, nangempi, nangesandla esinamandla, nangengalo eyeluliweyo, nangengebhe enkulu njengakho konke uJehova uNkulunkulu wenu anenzela khona eGibithe phambi kwamehlo enu, na?

35 A ti te foi mostrado para que soubesses que o SENHOR é Deus; nenhum outro há, senão ele.

35 Wena waboniswa lokho ukuba wazi ukuthi uJehova unguNkulunkulu, akakho omunye ngaphandle kwakhe.

36 Dos céus te fez ouvir a sua voz, para te ensinar, e sobre a terra te mostrou o seu grande fogo, e do meio do fogo ouviste as suas palavras.

36Esezulwini wakuzwisa izwi lakhe ukuba akufundise; emhlabeni wakubonisa umlilo wakhe omkhulu; wena wezwa amazwi akhe evela phakathi komlilo.

37 Porquanto amou teus pais, e escolheu a sua descendência depois deles, e te tirou do Egito, ele mesmo presente e com a sua grande força,

37Lokhu ebethanda oyihlo wakhetha inzalo yabo emva kwabo, wakukhipha yena uqobo ngamandla akhe amakhulu eGibithe

[38] para lançar de diante de ti nações maiores e mais poderosas do que tu, para te introduzir na sua terra e ta dar por herança, como hoje se vê.

[39] Por isso, hoje, saberás e refletirás no teu coração que só o SENHOR é Deus em cima no céu e embaixo na terra; nenhum outro há.

[40] Guarda, pois, os seus estatutos e os seus mandamentos que te ordeno hoje, para que te vá bem a ti e a teus filhos depois de ti e para que prolongues os dias na terra que o SENHOR, teu Deus, te dá para todo o sempre.

Três cidades de refúgio

Números 35.9-15; Deuteronômio 19.1-3

[41] Então, Moisés separou três cidades dalém do Jordão, do lado do nascimento do sol,

[42] para que se acolhesse ali o homicida que matasse, involuntariamente, o seu próximo, a quem, dantes, não tivesse ódio algum, e se acolhesse a uma destas cidades e vivesse:

[43] Bezer, no deserto, no planalto, para os rubenitas; Ramote, em Gileade, para os gaditas; e Golã, em Basã, para os manassitas.

O Segundo Discurso de Moisés
Moisés conta a história da legislação

[44] Esta é a lei que Moisés propôs aos filhos de Israel.

[45] São estes os testemunhos, e os estatutos, e os juízos que Moisés falou aos filhos de Israel, quando saíram do Egito,

[38]ukuba axoshe izizwe ezinkulu nezinamandla kunawe phambi kwakho, angenise wena, akunike izwe labo libe yifa lakho njenganamuhla.

[39] Yazi namuhla, ukungenise enhliziyweni yakho ukuthi uJehova unguNkulunkulu ezulwini phezulu nasemhlabeni phansi; akakho omunye.

[40] Wogcina izimiso zakhe nemiyalo yakhe engikuyala ngakho namuhla ukuba kube kuhle kuwe, nakubantwana bakho emva kwakho, wandise izinsuku zakho ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona kuze kube phakade.

Ukwahlukaniswa kwemizi emithathu yokuphephela

[41] Khona uMose wahlukanisa imizi emithathu ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga

[42]ukuba umbulali abalekele khona, obulala umakhelwane wakhe kungengamabomu, ebekade engamzondi, wothi aphile uma ebalekela komunye waleyo mizi:

[43]iBeseri elisehlane ezweni lethafa libe ngowabakwaRubeni, neRamoti elikwaGileyadi libe ngowabakwaGadi, neGolanu eliseBashani libe ngowabakwaManase.

[44]Yiwo umthetho uMose awubeka phambi kwabantwana bakwa-Israyeli;

[45]yibo ubufakazi, nezimiso, nezahlulelo uMose akukhulumayo kubantwana

[46] além do Jordão, no vale defronte de Bete-Peor, na terra de Seom, rei dos amorreus, que habitava em Hesbom, a quem Moisés e os filhos de Israel feriram ao saírem do Egito,

bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe,

[46] ngaphesheya kweJordani esigodini malungana neBeti Peyori ezweni likaSihoni inkosi yama-Amori, owahlala eHeshiboni, owanqotshwa nguMose nabantwana bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe.

[47] e tomaram a sua terra em possessão, como também a terra de Ogue, rei de Basã, dois reis dos amorreus, que estavam além do Jordão, do lado do nascimento do sol;

[47] Balithatha izwe lakhe, balidla kanye nezwe lika-Ogi inkosi yaseBashani, amakhosi amabili ama-Amori ayengaphesheya kweJordani ngasempumalanga,

[48] desde Aroer, que está à borda do vale de Arnom, até ao monte Siom, que é Hermom,

[48]kusukela e-Aroweri eliseceleni kwesigodi sase-Arinoni kuze kube sentabeni yaseSiyoni eyiHermoni,

[49] e toda a Arabá, além do Jordão, do lado oriental, até ao mar da Arabá, pelas faldas de Pisga.

[49] nalo lonke i-Araba ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga, kuze kube seLwandle lwase-Araba phansi kwemithambeka yasePisiga.

Deuteronômio 5

A repetição dos dez mandamentos
Êxodo 20.1-17

[1] Chamou Moisés a todo o Israel e disse-lhe: Ouvi, ó Israel, os estatutos e juízos que hoje vos falo aos ouvidos, para que os aprendais e cuideis em os cumprirdes.

[2] O SENHOR, nosso Deus, fez aliança conosco em Horebe.

[3] Não foi com nossos pais que fez o SENHOR esta aliança, e sim conosco, todos os que, hoje, aqui estamos vivos.

[4] Face a face falou o SENHOR conosco, no monte, do meio do fogo

UDuteronomi 5

Isivumelwano saseHorebe

[1]UMose wayesebiza wonke u-Israyeli, wathi kuye: Yizwa, Israyeli, izimiso nezahlulelo engizikhuluma ezindlebeni zakho namuhla ukuba uzifunde, uqaphele ukuzenza.

[2] UJehova uNkulunkulu wethu wenza isivumelwano nathi eHorebe.

[3]UJehova akasenzanga lesi sivumelwano nawobaba, wasenza nathi, yebo, thina esikhona lapha sonke namuhla siphilile.

[4] UJehova wakhuluma kinina ubuso nobuso entabeni ephakathi komlilo.

[5] (Nesse tempo, eu estava em pé entre o SENHOR e vós, para vos notificar a palavra do SENHOR, porque temestes o fogo e não subistes ao monte.), dizendo:

[6] Eu sou o SENHOR, teu Deus, que te tirei do Egito, da casa da servidão.

[7] Não terás outros deuses diante de mim.

[8] Não farás para ti imagem de escultura, nem semelhança alguma do que há em cima no céu, nem embaixo na terra, nem nas águas debaixo da terra;

[9] não as adorarás, nem lhes darás culto; porque eu, o SENHOR, teu Deus, sou Deus zeloso, que visito a iniqüidade dos pais nos filhos até a terceira e quarta geração daqueles que me aborrecem,

[10] e faço misericórdia até mil gerações daqueles que me amam e guardam os meus mandamentos.

[11] Não tomarás o nome do SENHOR, teu Deus, em vão, porque o SENHOR não terá por inocente o que tomar o seu nome em vão.

[12] Guarda o dia de sábado, para o santificar, como te ordenou o SENHOR, teu Deus.

[13] Seis dias trabalharás e farás toda a tua obra.

[14] Mas o sétimo dia é o sábado do SENHOR, teu Deus; não farás nenhum trabalho, nem tu, nem o teu filho, nem a

[5] Mina ngema phakathi kukaJehova nani ngaleso sikhathi ukunazisa izwi likaJehova, ngokuba nesaba ngenxa yomlilo, anakhuphukela entabeni. Wathi: Imiyalelo eyishumi

[6] NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.

[7] Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.

[8] Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo zomfanekiso wokusezulwini phezulu, nokusemhlabeni phansi, nokusemanzini phansi komhlaba;

[9]ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wakho ngingunNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo,

[10]kepha ngibenzela umusa abayizinkulungwane abangithandayo, bagcine imiyalelo yami.

[11] Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe.

[12] Gcina usuku lwesabatha, ulungcwelise, njengalokho uJehova uNkulunkulu wakho ekuyalile.

[13]Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho,

[14] kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza msebenzi ngalo,

tua filha, nem o teu servo, nem a tua serva, nem o teu boi, nem o teu jumento, nem animal algum teu, nem o estrangeiro das tuas portas para dentro, para que o teu servo e a tua serva descansem como tu;

wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nenkabi yakho, nembongolo yakho, nezinkomo zakho, nomfokazi wakho ophakathi kwamasango akho, ukuba inceku yakho nencekukazi yakho ziphumule njengawe.

[15] porque te lembrarás que foste servo na terra do Egito e que o SENHOR, teu Deus, te tirou dali com mão poderosa e braço estendido; pelo que o SENHOR, teu Deus, te ordenou que guardasses o dia de sábado.

[15]Wokhumbula ukuthi wawuyinceku ezweni laseGibithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha khona ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo; ngalokho uJehova uNkulunkulu wakho wakuyala ukugcina usuku lwesabatha.

[16] Honra a teu pai e a tua mãe, como o SENHOR, teu Deus, te ordenou, para que se prolonguem os teus dias e para que te vá bem na terra que o SENHOR, teu Deus, te dá.

[16] Yazisa uyihlo nonyoko, njengalokho uJehova uNkulunkulu wakho wakuyala, ukuze izinsuku zakho zibe zinde, kube kuhle kuwe ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

[17] Não matarás.

[17] Ungabulali.

[18] Não adulterarás.

[18] Ungaphingi.

[19] Não furtarás.

[19] Ungebi.

[20] Não dirás falso testemunho contra o teu próximo.

[20] Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.

[21] Não cobiçarás a mulher do teu próximo. Não desejarás a casa do teu próximo, nem o seu campo, nem o seu servo, nem a sua serva, nem o seu boi, nem o seu jumento, nem coisa alguma do teu próximo.

[21] Ungafisi umfazi womakhelwane wakho; ungafisi indlu yomakhelwane wakho, nensimu yakhe, nenceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho.

Moisés, mediador entre Deus e o povo
Êxodo 20.18-21

[22] Estas palavras falou o SENHOR a toda a vossa congregação no monte, do meio do fogo, da nuvem e da escuridade, com grande voz, e nada acrescentou. Tendo-as

[22] Lawo mazwi uJehova wawakhuluma kuyo yonke inhlangano yenu entabeni, evela phakathi komlilo, nefu, nesigayegaye, ngezwi elikhulu,

escrito em duas tábuas de pedra, deu-mas a mim.

[23] Sucedeu que, ouvindo a voz do meio das trevas, enquanto ardia o monte em fogo, vos achegastes a mim, todos os cabeças das vossas tribos e vossos anciãos,

[24] e dissestes: Eis aqui o SENHOR, nosso Deus, nos fez ver a sua glória e a sua grandeza, e ouvimos a sua voz do meio do fogo; hoje, vimos que Deus fala com o homem, e este permanece vivo.

[25] Agora, pois, por que morreríamos? Pois este grande fogo nos consumiria; se ainda mais ouvíssemos a voz do SENHOR, nosso Deus, morreríamos.

[26] Porque quem há, de toda carne, que tenha ouvido a voz do Deus vivo falar do meio do fogo, como nós ouvimos, e permanecido vivo?

[27] Chega-te, e ouve tudo o que disser o SENHOR, nosso Deus; e tu nos dirás tudo o que te disser o SENHOR, nosso Deus, e o ouviremos, e o cumpriremos.

[28] Ouvindo, pois, o SENHOR as vossas palavras, quando me faláveis a mim, o SENHOR me disse: Eu ouvi as palavras deste povo, as quais te disseram; em tudo falaram eles bem.

[29] Quem dera que eles tivessem tal coração, que me temessem e guardassem em todo o tempo todos os meus

akathasiselanga lutho. Wawaloba ezibhebheni ezimbili zamatshe, wanginika zona.

[23] Kwathi lapho nilizwa izwi elivela phakathi kobumnyama, intaba ivutha umlilo, nasondela kimi, zonke izinhloko zenu zezizwe zenu namalunga enu,

[24] nathi: Bheka, uJehova uNkulunkulu wethu usibonisile inkazimulo yakhe nobukhulu bakhe, salizwa izwi lakhe livela phakathi komlilo; sibonile namuhla ukuthi uNkulunkulu uyakhuluma nomuntu, adlule aphile.

[25]Ngalokho siyakufelani na? Ngokuba lo mlilo omkhulu uyakusiqeda; uma silizwa futhi izwi likaJehova uNkulunkulu wethu, siyakufa.

[26] Ngokuba ngubani enyameni yonke ozwile njengathi izwi likaNkulunkulu ophilayo livela phakathi komlilo, waphila, na?

[27]Sondela wena, uzwe konke uJehova uNkulunkulu wethu ayakukukhuluma, usitshele konke uJehova uNkulunkulu wethu ayakukukhuluma kuwe, sikuzwe, sikwenze.

[28] UJehova wawezwa amazwi enu ekukhulumeni kwenu kimi; uJehova wayesethi kimi: Ngiwezwile amazwi alaba bantu abawakhulume kuwe; basho kahle konke abakukhulumile.

[29] Sengathi kungaba khona kubo inhliziyo enjalo ukuba bangesabe, bagcine njalo yonke imiyalelo yami, kube kuhle kubo nakubantwana babo kuze kube phakade.

mandamentos, para que bem lhes fosse a eles e a seus filhos, para sempre!

30 Vai, dize-lhes: Tornai-vos às vossas tendas.

31 Tu, porém, fica-te aqui comigo, e eu te direi todos os mandamentos, e estatutos, e juízos que tu lhes hás de ensinar que cumpram na terra que eu lhes darei para possuí-la.

32 Cuidareis em fazerdes como vos mandou o SENHOR, vosso Deus; não vos desviareis, nem para a direita, nem para a esquerda.

33 Andareis em todo o caminho que vos manda o SENHOR, vosso Deus, para que vivais, bem vos suceda, e prolongueis os dias na terra que haveis de possuir.

Deuteronômio 6

O fim da lei é a obediência

1 Estes, pois, são os mandamentos, os estatutos e os juízos que mandou o SENHOR, teu Deus, se te ensinassem, para que os cumprisses na terra a que passas para a possuir;

2 para que temas ao SENHOR, teu Deus, e guardes todos os seus estatutos e mandamentos que eu te ordeno, tu, e teu filho, e o filho de teu filho, todos os dias da tua vida; e que teus dias sejam prolongados.

3 Ouve, pois, ó Israel, e atenta em os cumprires, para que bem te suceda, e muito te multipliques na terra que mana

30 Hamba, usho kubo ukuthi: Buyelani ematendeni enu.

31Kepha wena, yima lapha ngakimi, ngikhulume kuwe yonke imiyalo, nezimiso, nezahlulelo oyakubafundisa khona ukuba bakwenze ezweni engibanika lona ukuba balidle.

32 Niyakuqaphela ukwenza njengalokho uJehova uNkulunkulu wenu eniyalile, ningaphenduki ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo.

33Niyakuhamba njalo endleleni uJehova uNkulunkulu wenu aniyale ngayo, ukuze niphile, kube kuhle kini, nandise izinsuku zenu ezweni eniyakulidla.

UDuteronomi 6

Isiyalezo sokugcina imiyalo kaNkulunkulu nesokumthanda

1 Nansi imiyalo, nezimiso, nezahlulelo uJehova uNkulunkulu wenu ayala ukuba nifundiswe khona, nikwenze ezweni eniya kulo ukulidla,

2ukuze umesabe uJehova uNkulunkulu wakho, ugcine zonke izimiso zakhe nemiyalo yakhe engikuyala ngakho, wena nendodana yakho nendodana yendodana yakho zonke izinsuku zokuhamba kwakho, kwandiswe imihla yakho.

3Yizwa-ke, Israyeli, uqaphele ukukwenza ukuba kube kuhle kuwe, nande ngamandla, njengalokho uJehova

leite e mel, como te disse o SENHOR, Deus de teus pais.

[4] Ouve, Israel, o SENHOR, nosso Deus, é o único SENHOR.

[5] Amarás, pois, o SENHOR, teu Deus, de todo o teu coração, de toda a tua alma e de toda a tua força.

[6] Estas palavras que, hoje, te ordeno estarão no teu coração;

[7] tu as inculcarás a teus filhos, e delas falarás assentado em tua casa, e andando pelo caminho, e ao deitar-te, e ao levantar-te.

[8] Também as atarás como sinal na tua mão, e te serão por frontal entre os olhos.

[9] E as escreverás nos umbrais de tua casa e nas tuas portas.

[10] Havendo-te, pois, o SENHOR, teu Deus, introduzido na terra que, sob juramento, prometeu a teus pais, Abraão, Isaque e Jacó, te daria, grandes e boas cidades, que tu não edificaste;

[11] e casas cheias de tudo o que é bom, casas que não encheste; e poços abertos, que não abriste; vinhais e olivais, que não plantaste; e, quando comeres e te fartares,

[12] guarda-te, para que não esqueças o SENHOR, que te tirou da terra do Egito, da casa da servidão.

[13] O SENHOR, teu Deus, temerás, a ele servirás, e, pelo seu nome, jurarás.

uNkulunkulu wawoyihlo wakuthembisa khona ezweni elivame ubisi nezinyosi.

[4] Yizwa, Israyeli: uJehova uNkulunkulu wethu, uJehova, munye;

[5] wothanda uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho.

[6]Lawa mazwi engikuyala ngawo namuhla ayakuba senhliziyweni yakho,

[7] ubafundise impela wona abantwana bakho, uwakhulume lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka.

[8] Uyakuwabopha abe luphawu esandleni sakho, abe yisikhumbuzo phakathi kwamehlo akho.

[9]Wowaloba ezinsikeni zomnyango wendlu yakho nasemasangweni akho.

[10] Kuyakuthi lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakukungenisa ezweni alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, ukukunika lona kanye nemizi emikhulu nemihle ongayakhanga,

[11] nezindlu ezigcwele zonke izinto ezinhle ongazigcwalisanga, nemithombo embiweyo ongayimbanga, nezivini neminqumo ongakutshalanga, nalapho udla usuthe,

[12]xwaya ukuba ungakhohlwa uJehova owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.

[13] Womesaba uJehova uNkulunkulu wakho; wokhonza yena, ufunge igama lakhe.

[14] Não seguirás outros deuses, nenhum dos deuses dos povos que houver à roda de ti,

[15] porque o SENHOR, teu Deus, é Deus zeloso no meio de ti, para que a ira do SENHOR, teu Deus, se não acenda contra ti e te destrua de sobre a face da terra.

[16] Não tentarás o SENHOR, teu Deus, como o tentaste em Massá.

[17] Diligentemente, guardarás os mandamentos do SENHOR, teu Deus, e os seus testemunhos, e os seus estatutos que te ordenou.

[18] Farás o que é reto e bom aos olhos do SENHOR, para que bem te suceda, e entres, e possuas a boa terra a qual o SENHOR, sob juramento, prometeu dar a teus pais,

[19] lançando todos os teus inimigos de diante de ti, como o SENHOR tem dito.

[20] Quando teu filho, no futuro, te perguntar, dizendo: Que significam os testemunhos, e estatutos, e juízos que o SENHOR, nosso Deus, vos ordenou?

[21] Então, dirás a teu filho: Éramos servos de Faraó, no Egito; porém o SENHOR de lá nos tirou com poderosa mão.

[22] Aos nossos olhos fez o SENHOR sinais e maravilhas, grandes e terríveis, contra o Egito e contra Faraó e toda a sua casa;

[14]Aniyikulandela abanye onkulunkulu, onkulunkulu babantu abanizungezayo

[15] ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho ophakathi kwakho unguNkulunkulu onomhawu funa intukuthelo kaJehova uNkulunkulu wakho ikuvuthele, ikuchithe ebusweni bomhlaba.

[16] Aniyikumlinga uJehova uNkulunkulu wenu, njengalokho namlinga eMasa.

[17]Niyakugcina nokugcina imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu, nobufakazi bakhe, nezimiso zakhe akuyale ngakho.

[18]Wokwenza okulungile nokuhle emehlweni kaJehova ukuba kube kuhle kuwe, ungene ulidle lelo zwe elihle uJehova alifungela oyihlo

[19]ukuxosha zonke izitha zakho phambi kwakho, njengalokho ekhulumile uJehova.

[20] Lapho indodana yakho ikubuza ngesikhathi esizayo, ithi: Buyini ubufakazi, nezimiso, nezahlulelo uJehova uNkulunkulu wethu aniyale ngakho na?

[21]uyakusho kuyo indodana yakho ukuthi: Sasiyizigqila zikaFaro eGibithe; uJehova wasikhipha eGibithe ngesandla esinamandla;

[22]uJehova wenza izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu nezesabekayo phezu kweGibithe, naphezu kukaFaro, naphezu kwayo yonke indlu yakhe phambi kwamehlo ethu,

[23] e dali nos tirou, para nos levar e nos dar a terra que sob juramento prometeu a nossos pais.

[24] O SENHOR nos ordenou cumpríssemos todos estes estatutos e temêssemos o SENHOR, nosso Deus, para o nosso perpétuo bem, para nos guardar em vida, como tem feito até hoje.

[25] Será por nós justiça, quando tivermos cuidado de cumprir todos estes mandamentos perante o SENHOR, nosso Deus, como nos tem ordenado.

[23]wasikhipha lapho ukuba asingenise ukusinika izwe alifungela obaba.

[24]UJehova wasiyala ukwenza zonke lezo zimiso, simesabe uJehova uNkulunkulu wethu, kube kuhle kithi njalo, ukuba asiphe siphile njenganamuhla.

[25]Kuyakuba ngukulunga kithi, uma sigcina ukwenza yonke le miyalo phambi kukaJehova uNkulunkulu wethu, njengalokho esiyalile.

Deuteronômio 7

Admoestações contra a infidelidade

Êxodo 34.10-17

[1] Quando o SENHOR, teu Deus, te introduzir na terra a qual passas a possuir, e tiver lançado muitas nações de diante de ti, os heteus, e os girgaseus, e os amorreus, e os cananeus, e os ferezeus, e os heveus, e os jebuseus, sete nações mais numerosas e mais poderosas do que tu;

[2] e o SENHOR, teu Deus, as tiver dado diante de ti, para as ferir, totalmente as destruirás; não farás com elas aliança, nem terás piedade delas;

[3] nem contrairás matrimônio com os filhos dessas nações; não darás tuas filhas a seus filhos, nem tomarás suas filhas para teus filhos;

[4] pois elas fariam desviar teus filhos de mim, para que servissem a outros deuses; e a ira do SENHOR se acenderia contra vós outros e depressa vos destruiria.

UDuteronomi 7

AmaKhanani amelwe ukuchithwa

[1] Lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakukungenisa ezweni oya kulo ukulidla, axoshe izizwe eziningi phambi kwakho, amaHeti, namaGirigashi, nama-Amori, namaKhanani, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi, izizwe eziyisikhombisa ezinkulu nezinamandla kunawe,

[2]nalapho uJehova uNkulunkulu wakho ezinikela phambi kwakho, uzinqobe, wozichitha nokuzichitha, ungenzi isivumelwano nazo, ungabi namusa kuzo,

[3] ungaganiselani nazo, ungayiniki indodana yakhe indodakazi yakho, ungathatheli indodana yakho indodakazi yakhe.

[4]Ngokuba uyakuphambukisa indodana yakho ekungilandeleni ukuba bakhonze abanye onkulunkulu, intukuthelo kaJehova ikuvuthele, akuchithe masinyane.

[5] Porém assim lhes fareis: derribareis os seus altares, quebrareis as suas colunas, cortareis os seus postes-ídolos e queimareis as suas imagens de escultura.

[6] Porque tu és povo santo ao SENHOR, teu Deus; o SENHOR, teu Deus, te escolheu, para que lhe fosses o seu povo próprio, de todos os povos que há sobre a terra.

[7] Não vos teve o SENHOR afeição, nem vos escolheu porque fôsseis mais numerosos do que qualquer povo, pois éreis o menor de todos os povos,

[8] mas porque o SENHOR vos amava e, para guardar o juramento que fizera a vossos pais, o SENHOR vos tirou com mão poderosa e vos resgatou da casa da servidão, do poder de Faraó, rei do Egito.

[9] Saberás, pois, que o SENHOR, teu Deus, é Deus, o Deus fiel, que guarda a aliança e a misericórdia até mil gerações aos que o amam e cumprem os seus mandamentos;

[10] e dá o pago diretamente aos que o odeiam, fazendo-os perecer; não será demorado para com o que o odeia; prontamente, lho retribuirá.

[11] Guarda, pois, os mandamentos, e os estatutos, e os juízos que hoje te mando cumprir.

Bênçãos decorrentes da obediência

Levítico 26.3-13; Deuteronômio 28.1-14

[12] Será, pois, que, se, ouvindo estes juízos, os guardares e cumprires, o SENHOR, teu

[5] Niyakubaphatha kanje: niyakudiliza ama-altare abo, niphohloze izinsika zabo, ninqume o-Ashera babo, nishise ngomlilo izithombe zabo ezibaziweyo.

[6] Ngokuba uyisizwe esingcwele kuJehova uNkulunkulu wakho: uJehova uNkulunkulu wakho ukukhethile ukuba ube yisizwe senzuzo yakhe phezu kwezizwe zonke ezisebusweni bomhlaba.

[7] UJehova akanamathelanga kini, kanikhethanga ngokuba nanibaningi kunezinye izizwe, ngokuba naniyingcosana kunezizwe zonke,

[8] kepha ngokuba uJehova enithanda nangokuba ebeyakugcina isifungo asifungela oyihlo uJehova unikhiphile ngesandla esinamandla, wanihlenga endlini yezigqila esandleni sikaFaro inkosi yaseGibithe.

[9] Yazi-ke ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu, uNkulunkulu othembekileyo, ogcina isivumelwano nomusa nabamthandayo abagcina imiyalo yakhe kuze kube sezizukulwaneni eziyinkulungwane,

[10]abaphindisele abamzondayo ebusweni babo, ababhubhise; akayikulibala kuyena omzondayo, uyakumphindisela ebusweni bakhe.

[11]Ngalokho uyakugcina imiyalo, nezimiso, nezahlulelo engikuyala ngakho namuhla ukukwenza.

[12] Kuyakuthi ngokuba nilalela lezi zahlulelo, nizigcine, nizenze, uJehova

Deus, te guardará a aliança e a misericórdia prometida sob juramento a teus pais;

13 ele te amará, e te abençoará, e te fará multiplicar; também abençoará os teus filhos, e o fruto da tua terra, e o teu cereal, e o teu vinho, e o teu azeite, e as crias das tuas vacas e das tuas ovelhas, na terra que, sob juramento a teus pais, prometeu dar-te.

14 Bendito serás mais do que todos os povos; não haverá entre ti nem homem, nem mulher estéril, nem entre os teus animais.

15 O SENHOR afastará de ti toda enfermidade; sobre ti não porá nenhuma das doenças malignas dos egípcios, que bem sabes; antes, as porá sobre todos os que te odeiam.

16 Consumirás todos os povos que te der o SENHOR, teu Deus; os teus olhos não terão piedade deles, nem servirás a seus deuses, pois isso te seria por ciladas.

17 Se disseres no teu coração: Estas nações são mais numerosas do que eu; como poderei desapossá-las?

18 Delas não tenhas temor; lembrar-te-ás do que o SENHOR, teu Deus, fez a Faraó e a todo o Egito;

19 das grandes provas que viram os teus olhos, e dos sinais, e maravilhas, e mão poderosa, e braço estendido, com que o SENHOR, teu Deus, te tirou; assim fará o

uNkulunkulu wakho uyakugcina isivumelwano nawe nomusa awufungela oyihlo,

13akuthande, akubusise, akwandise, abusise nenzalo yesisu sakho, nesithelo somhlabathi wakho, namabele akho, newayini lakho, namafutha akho, nenzalo yezinkomo zakho, nokwanda kwezimvu zakho ezweni alifungela oyihlo ukuninika lona.

14 Uyakubusiswa ngaphezu kwezizwe zonke, kungabikho mlisa nowesifazane oyinyumba phakathi kwenu noma phakathi kwezinkomo zenu.

15 UJehova uyakususa kuwe zonke izifo, angabeki kuwe izifo ezimbi zaseGibithe ozaziyo, kepha azifake phezu kwabo bonke abakuzondayo.

16Uyakuqeda zonke izizwe uJehova uNkulunkulu wakho ayakuzinikela kuwe; iso lakho lingazihawukeli, ungakhonzi onkulunkulu bazo, ngokuba lokho kuyakuba lugibe kuwe.

17 Uma uyakuthi enhliziyweni yakho: Lezi zizwe ziningi kunami; ngingazixosha kanjani?

18ungazesabi, kodwa ukhumbule kahle lokho uJehova uNkulunkulu wakho akwenza kuFaro nakulo lonke iGibithe:

19izilingo ezinkulu azibonayo amehlo akho, nezibonakaliso, nezimangaliso, nesandla esinamandla, nengalo eyeluliweyo uJehova uNkulunkulu wakho akukhipha ngakho; uyakwenza kanje

SENHOR, teu Deus, com todos os povos, aos quais temes.

[20] Além disso, o SENHOR, teu Deus, mandará entre eles vespões, até que pereçam os que ficarem e se esconderem de diante de ti.

[21] Não te espantes diante deles, porque o SENHOR, teu Deus, está no meio de ti, Deus grande e temível.

[22] O SENHOR, teu Deus, lançará fora estas nações, pouco a pouco, de diante de ti; não poderás destruí-las todas de pronto, para que as feras do campo se não multipliquem contra ti.

[23] Mas o SENHOR, teu Deus, tas entregará e lhes infligirá grande confusão, até que sejam destruídas.

[24] Entregar-te-á também nas mãos os seus reis, para que apagues o nome deles de debaixo dos céus; nenhum homem poderá resistir-te, até que os destruas.

[25] As imagens de escultura de seus deuses queimarás; a prata e o ouro que estão sobre elas não cobiçarás, nem os tomarás para ti, para que te não enlaces neles; pois são abominação ao SENHOR, teu Deus.

[26] Não meterás, pois, coisa abominável em tua casa, para que não sejas amaldiçoado, semelhante a ela; de todo, a detestarás e, de todo, a abominarás, pois é amaldiçoada.

Deuteronômio 8

uJehova uNkulunkulu wakho kuzo zonke izizwe ozesabayo.

[20] Futhi uJehova uNkulunkulu wakho uyakuthuma iminyovu phakathi kwazo, kuze kuthi bona abaseleyo abazithukusayo baphele phambi kwakho.

[21]Ngalokho awuyikuzesaba, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uphakathi kwakho, uNkulunkulu omkhulu nowesabekayo.

[22] UJehova uNkulunkulu wakho uyakuxosha lezo zizwe phambi kwakho kancane kancane, ungaziqedi masinyane, funa izilwane zasendle zande ngaphezu kwakho.

[23]Kepha uJehova uNkulunkulu wakho uyakuzinikela phambi kwakho, azingquzule ngokungquzula okukhulu, zize zichithwe.

[24] Uyakuwanikela amakhosi azo esandleni sakho, wena uqede igama lawo phansi kwezulu; akuyikubakho muntu ongema phambi kwakho, uze uzichithe.

[25] Izithombe ezibaziweyo zawonkulunkulu bazo niyakuzishisa ngomlilo; awuyikufisa isiliva noma igolide elikuzo, ungazithatheli lona, funa ucushwe ngalo, ngokuba kuyisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho;

[26] awuyikungenisa isinengiso endlini yakho, ube yinto eqalekisiweyo njengaso; uyakusenyanya nokusenyanya, unengwe nokunengwa yiso, ngokuba kuyinto eqalekisiweyo.

UDuteronomi 8

Exortação a ter em memória os benefícios do SENHOR

[1] Cuidareis de cumprir todos os mandamentos que hoje vos ordeno, para que vivais, e vos multipliqueis, e entreis, e possuais a terra que o SENHOR prometeu sob juramento a vossos pais.

[2] Recordar-te-ás de todo o caminho pelo qual o SENHOR, teu Deus, te guiou no deserto estes quarenta anos, para te humilhar, para te provar, para saber o que estava no teu coração, se guardarias ou não os seus mandamentos.

[3] Ele te humilhou, e te deixou ter fome, e te sustentou com o maná, que tu não conhecias, nem teus pais o conheciam, para te dar a entender que não só de pão viverá o homem, mas de tudo o que procede da boca do SENHOR viverá o homem.

[4] Nunca envelheceu a tua veste sobre ti, nem se inchou o teu pé nestes quarenta anos.

[5] Sabe, pois, no teu coração, que, como um homem disciplina a seu filho, assim te disciplina o SENHOR, teu Deus.

[6] Guarda os mandamentos do SENHOR, teu Deus, para andares nos seus caminhos e o temeres;

[7] porque o SENHOR, teu Deus, te faz entrar numa boa terra, terra de ribeiros de águas, de fontes, de mananciais profundos, que saem dos vales e das montanhas;

Izenzo ezinhle zikaNkulunkulu ku-Israyeli ehlane. Isixwayiso ngokuziqhenya nangokungamesabi uNkulunkulu

[1] Yonke imiyalo engikuyala ngayo namuhla niyakuyigcina niyenze ukuba niphile, nande, ningene ukulidla izwe uJehova alifungela oyihlo.

[2]Woyikhumbula yonke indlela uJehova uNkulunkulu wakho akuholile ngayo le minyaka engamashumi amane ehlane ukuba akuthobise, akuvivinye, azi okusenhliziyweni yakho, uma ubuyakuyigcina imiyalo yakhe noma qha.

[3] Wakuthobisa-ke, wakulambisa, wakupha ukuba udle imana obungalazi, bebengalazi futhi oyihlo, ukuba akwazise ukuthi umuntu akaphili ngesinkwa sodwa; kepha ngakho konke okuphuma emlonyeni kaJehova, yikho umuntu aphila ngakho.

[4] Izingubo zakho azikugugelanga, nonyawo lwakho aluvuvukalanga le minyaka engamashumi amane.

[5] Wokwazi enhliziyweni yakho ukuthi njengalokhu umuntu elaya indodana yakhe, kanjalo uJehova uNkulunkulu wakho uyakulaya wena.

[6] Woyigcina imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ezindleleni zakhe, umesabe.

[7]Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho useyakungenisa ezweni elihle, izwe elinemifudlana yamanzi, nemithombo, nezinzulu eziphuphuma ezigodini nasezintabeni,

[8] terra de trigo e cevada, de vides, figueiras e romeiras; terra de oliveiras, de azeite e mel;
[9] terra em que comerás o pão sem escassez, e nada te faltará nela; terra cujas pedras são ferro e de cujos montes cavarás o cobre.
[10] Comerás, e te fartarás, e louvarás o SENHOR, teu Deus, pela boa terra que te deu.

[11] Guarda-te não te esqueças do SENHOR, teu Deus, não cumprindo os seus mandamentos, os seus juízos e os seus estatutos, que hoje te ordeno;

[12] para não suceder que, depois de teres comido e estiveres farto, depois de haveres edificado boas casas e morado nelas;
[13] depois de se multiplicarem os teus gados e os teus rebanhos, e se aumentar a tua prata e o teu ouro, e ser abundante tudo quanto tens,

[14] se eleve o teu coração, e te esqueças do SENHOR, teu Deus, que te tirou da terra do Egito, da casa da servidão,

[15] que te conduziu por aquele grande e terrível deserto de serpentes abrasadoras, de escorpiões e de secura, em que não havia água; e te fez sair água da pederneira;
[16] que no deserto te sustentou com maná, que teus pais não conheciam; para te humilhar, e para te provar, e, afinal, te fazer bem.

[8]izwe likakolweni, nelebhali, nelemivini, nelemikhiwane, nelamapomegranati, izwe leminqumo enamafutha, nelezinyosi,
[9] izwe lapho uyakudla khona isinkwa kungekho kuswela; awuyikudinga lutho; izwe elimatshe alo ayinsimbi, nelizintaba zalo ungemba kuzo ithusi.
[10] Uyakudla usuthe, umbonge uJehova uNkulunkulu wakho ngezwe elihle akunike lona.
[11]Xwaya, funa ukhohlwe uJehova uNkulunkulu wakho ngokungagcini imiyalo yakhe, nezahlulelo zakhe, nezimiso zakhe engikuyala ngakho namuhla,

[12]funa lapho usudlile wasutha, nalapho usuwakhile izindlu ezinhle, wahlala kuzo,

[13]kwandile izinkomo zakho nezimvu zakho, kwandile nesiliva lakho negolide lakho, kwandile konke onakho,

[14]inhliziyo yakho bese yiphakama, ukhohlwe uJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila,
[15] wakuhola ehlane elikhulu nelesabekayo elinezinyoka ezinesihlungu nawofezela nomhlabathi owomileyo, lapho kwakungekho manzi khona; wakuvezela amanzi edwaleni lensengetsha;
[16]wakupha imana ehlane, oyihlo ababengalazi, ukuba akuthobise, akuvivinye, akwenzele okuhle ngasekugcineni,

[17] Não digas, pois, no teu coração: A minha força e o poder do meu braço me adquiriram estas riquezas.
[18] Antes, te lembrarás do SENHOR, teu Deus, porque é ele o que te dá força para adquirires riquezas; para confirmar a sua aliança, que, sob juramento, prometeu a teus pais, como hoje se vê.

[19] Se te esqueceres do SENHOR, teu Deus, e andares após outros deuses, e os servires, e os adorares, protesto, hoje, contra vós outros que perecereis.

[20] Como as nações que o SENHOR destruiu de diante de vós, assim perecereis; porquanto não quisestes obedecer à voz do SENHOR, vosso Deus.

[17]uze uthi enhliziyweni yakho: Amandla ami nezikhwepha zesandla sami kunginike le mfuyo.
[18]Kepha womkhumbula uJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba nguyena okupha amandla okuzuza imfuyo ukuba amise isivumelwano sakhe asifungela oyihlo njenganamuhla.
[19] Kuyakuthi uma ukhohlwa uJehova uNkulunkulu wakho, ulandele abanye onkulunkulu, ubakhonze, ukhuleke kubo, ngiyanixwayisa namuhla ukuthi niyakubhubha nokubhubha.
[20]Njengezizwe uJehova azenza ukuba zibhubhe phambi kwenu, kanjalo niyakubhubha nani, ngokuba naningalilaleli izwi likaJehova uNkulunkulu wenu.

Deuteronômio 9

Moisés lembra aos israelitas o socorro divino

[1] Ouve, ó Israel, tu passas, hoje, o Jordão para entrares a possuir nações maiores e mais fortes do que tu; cidades grandes e amuralhadas até aos céus;
[2] povo grande e alto, filhos dos anaquins, que tu conheces e de que já ouvistes: Quem poderá resistir aos filhos de Enaque?
[3] Sabe, pois, hoje, que o SENHOR, teu Deus, é que passa adiante de ti; é fogo que consome, e os destruirá, e os subjugará diante de ti; assim, os desapossarás e, depressa, os farás perecer, como te prometeu o SENHOR.

UDuteronomi 9

Ukungalaleli kuka-Israyeli ehlane

[1] Yizwa, Israyeli: Wena uyakuwela iJordani namuhla, ungene udle izizwe ezinkulu nezinamandla kunawe, imizi emikhulu nebiyelwe kuze kube sezulwini,
[2] abantu abakhulu nabade, amadodana ama-Anaki owaziyo, ozwile ngawo ukuthi: Ngubani ongema phambi kwamadodana ka-Anaki na?
[3] Yazi-ke namuhla ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho unguye owela ngaphambi kwakho njengomlilo oqedayo; uyakubachitha, abanqobe, wena ubaxoshe, ubabhubhise masinyane, njengalokho ebekhuluma kuwe uJehova.

[4] Quando, pois, o SENHOR, teu Deus, os tiver lançado de diante de ti, não digas no teu coração: Por causa da minha justiça é que o SENHOR me trouxe a esta terra para a possuir, porque, pela maldade destas gerações, é que o SENHOR as lança de diante de ti.

[5] Não é por causa da tua justiça, nem pela retitude do teu coração que entras a possuir a sua terra, mas pela maldade destas nações o SENHOR, teu Deus, as lança de diante de ti; e para confirmar a palavra que o SENHOR, teu Deus, jurou a teus pais, Abraão, Isaque e Jacó.

As infidelidades de Israel

Êxodo 32.1-20

[6] Sabe, pois, que não é por causa da tua justiça que o SENHOR, teu Deus, te dá esta boa terra para possuí-la, pois tu és povo de dura cerviz.

[7] Lembrai-vos e não vos esqueçais de que muito provocastes à ira o SENHOR, vosso Deus, no deserto; desde o dia em que saístes do Egito até que chegastes a este lugar, rebeldes fostes contra o SENHOR;

[8] pois, em Horebe, tanto provocastes à ira o SENHOR, que a ira do SENHOR se acendeu contra vós para vos destruir.

[9] Subindo eu ao monte a receber as tábuas de pedra, as tábuas da aliança que o SENHOR fizera convosco, fiquei no monte quarenta dias e quarenta noites; não comi pão, nem bebi água.

[4] Ungakhulumi enhliziyweni yakho, uJehova uNkulunkulu wakho esebaxoshile ngaphambi kwakho, ngokuthi: Ngenxa yokulunga kwami uJehova ungingenisile ukuba ngidle leli zwe, ingani kungenxa yobubi balezo zizwe uJehova azixosha phambi kwakho.

[5] Akungokulunga kwakho noma ngobuqotho benhliziyo yakho ungena ulidle izwe lazo, kepha kungobubi balezo zizwe uJehova uNkulunkulu wakho azixosha phambi kwakho nangokuba eyakuliqinisa izwi uJehova alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

[6] Yazi-ke uJehova uNkulunkulu wakho akakuniki leli zwe elihle ukuba ulidle ngenxa yokulunga kwakho, ngokuba uyisizwe esintamo ilukhuni.

[7] Khumbula, ungakhohlwa ukuthi wamthukuthelisa uJehova uNkulunkulu wakho ehlane; kusukela osukwini owaphuma ngalo ezweni laseGibithe waze wafika kule ndawo nanizinge nihlubuka kuJehova.

[8]NaseHorebe namthukuthelisa uJehova, uJehova wanithukuthelela ukuba anibhubhise.

[9] Lapho sengikhuphukele entabeni ukuba ngamukele izibhebhe zamatshe, izibhebhe zesivumelwano uJehova asenza nani, ngahlala entabeni izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane; angidlanga sinkwa, angiphuzanga manzi.

[10] Deu-me o SENHOR as duas tábuas de pedra, escritas com o dedo de Deus; e, nelas, estavam todas as palavras segundo o SENHOR havia falado convosco no monte, do meio do fogo, estando reunido todo o povo.

[11] Ao fim dos quarenta dias e quarenta noites, o SENHOR me deu as duas tábuas de pedra, as tábuas da aliança.

[12] E o SENHOR me disse: Levanta-te, desce depressa daqui, porque o teu povo, que tiraste do Egito, já se corrompeu; cedo se desviou do caminho que lhe ordenei; imagem fundida para si fez.

[13] Falou-me ainda o SENHOR, dizendo: Atentei para este povo, e eis que ele é povo de dura cerviz.

[14] Deixa-me que o destrua e apague o seu nome de debaixo dos céus; e te faça a ti nação mais forte e mais numerosa do que esta.

[15] Então, me virei e desci do monte; e o monte ardia em fogo; as duas tábuas da aliança estavam em ambas as minhas mãos.

[16] Olhei, e eis que havíeis pecado contra o SENHOR, vosso Deus; tínheis feito para vós outros um bezerro fundido; cedo vos desviastes do caminho que o SENHOR vos ordenara.

[10]UJehova wanginika lezo zibhebhe ezimbili zamatshe, zilotshwe ngomunwe kaNkulunkulu; kwakulotshwe kuzona njengamazwi onke uJehova awakhuluma kini entabeni, ephakathi komlilo ngosuku lokuhlangana.

[11] Kwathi ngasekupheleni kwezinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane uJehova wanginika izibhebhe zombili zamatshe, izibhebhe zesivumelwano.

[12] UJehova wathi kimi: Vuka wehle lapha masinyane, ngokuba abantu bakho owabakhipha eGibithe bonile, baphambukile masinyane endleleni engabayala ngayo; bazenzele isithombe esibunjiweyo.

[13] UJehova wabuye wakhuluma kimi, wathi: Ngibabonile laba bantu; bheka, bangabantu abantamo ilukhuni;

[14]ngiyeke ukuba ngibabhubhise, ngesule igama labo phansi kwezulu, ngenze wena ube yisizwe esinamandla nesikhulu kunabo.

[15] Ngase ngiphenduka ngehla entabeni, intaba yavutha umlilo; izibhebhe zombili zesivumelwano zazisezandleni zami zombili.

[16]Ngase ngibheka, ngabona ukuthi nanonile kuJehova; nanizenzele ithole elibunjiweyo; naniphambukile masinyane endleleni uJehova abeniyale ngayo.

[17] Então, peguei as duas tábuas, e as arrojei das minhas mãos, e as quebrei ante os vossos olhos.

[18] Prostrado estive perante o SENHOR, como dantes, quarenta dias e quarenta noites; não comi pão e não bebi água, por causa de todo o vosso pecado que havíeis cometido, fazendo mal aos olhos do SENHOR, para o provocar à ira.

[19] Pois temia por causa da ira e do furor com que o SENHOR tanto estava irado contra vós outros para vos destruir; porém ainda esta vez o SENHOR me ouviu.

[20] O SENHOR se irou muito contra Arão para o destruir; mas também orei por Arão ao mesmo tempo.

[21] Porém tomei o vosso pecado, o bezerro que tínheis feito, e o queimei, e o esmaguei, moendo-o bem, até que se desfez em pó; e o seu pó lancei no ribeiro que descia do monte.

[22] Também em Taberá, em Massá e em Quibrote-Hataavá provocastes muito a ira do SENHOR.

[23] Quando também o SENHOR vos enviou de Cades-Barnéia, dizendo: Subi e possuí a terra que vos dei, rebeldes fostes ao mandado do SENHOR, vosso Deus, e não o crestes, e não obedecestes à sua voz.

[24] Rebeldes fostes contra o SENHOR, desde o dia em que vos conheci.

Moisés intercede pelo povo
Êxodo 32.11-14,30-35

[17]Ngathatha-ke izibhebhe zombili, ngazilahla ezandleni zami zombili, ngazaphula phambi kwamehlo enu.

[18] Ngawela phansi phambi kukaJehova njengakuqala izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane; angidlanga sinkwa, angiphuzanga manzi ngenxa yaso sonke isono senu enona ngaso ngokwenza okubi emehlweni kaJehova ukuba nimthukuthelise.

[19]Ngokuba ngangesaba intukuthelo nolaka uJehova anithukuthelela ngakho ukuba anibhubhise, kepha uJehova wangizwa nangaleso sikhathi.

[20]UJehova wathukuthelela kakhulu u-Aroni ukuba ambhubhise; ngamkhulekela u-Aroni ngaleso sikhathi.

[21] Ngase ngithatha isono senu, ithole enanilenzile, ngalishisa ngomlilo, ngaligxoba, ngaligayisisa laze laba njengothuli, ngaphonsa uthuli lwalo emfudlaneni owehla entabeni.

[22] EThabehera naseMasa naseKibiroti Hathawa namthukuthelisa uJehova.

[23] Nalapho uJehova enithuma, nisuka eKadeshi Barineya, ngokuthi: Khuphukani, nilidle izwe engininike lona, nahlubuka ezwini likaJehova uNkulunkulu wenu, anikholwanga nguye, analalela izwi lakhe.

[24]Nimhlubukile uJehova kusukela osukwini enganiqabuka ngalo.

[25] Prostrei-me, pois, perante o SENHOR e, quarenta dias e quarenta noites, estive prostrado; porquanto o SENHOR dissera que vos queria destruir.

[26] Orei ao SENHOR, dizendo: Ó SENHOR Deus! Não destruas o teu povo e a tua herança, que resgataste com a tua grandeza, que tiraste do Egito com poderosa mão.

[27] Lembra-te dos teus servos Abraão, Isaque e Jacó; não atentes para a dureza deste povo, nem para a sua maldade, nem para o seu pecado,

[28] para que o povo da terra donde nos tiraste não diga: Não tendo podido o SENHOR introduzi-los na terra de que lhes tinha falado e porque os aborrecia, os tirou para matá-los no deserto.

[29] Todavia, são eles o teu povo e a tua herança, que tiraste com a tua grande força e com o braço estendido.

Deuteronômio 10

As segundas tábuas da lei

[1] Naquele tempo, me disse o SENHOR: Lavra duas tábuas de pedra, como as primeiras, e sobe a mim ao monte, e faze uma arca de madeira.

[2] Escreverei nas duas tábuas as palavras que estavam nas primeiras que quebraste, e as porás na arca.

[3] Assim, fiz uma arca de madeira de acácia, lavrei duas tábuas de pedra, como as primeiras, e subi ao monte com as duas tábuas na mão.

[25] Ngawela phansi phambi kukaJehova lezo zinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane engawa ngazo, ngokuba uJehova wayeshilo ukuthi uyakunibhubhisa.

[26]Ngakhuleka kuJehova, ngathi: Jehova Nkulunkulu, ungabhubhisi abantu bakho nefa lakho olihlengile ngobukhulu bakho, walikhipha eGibithe ngesandla esinamandla.

[27]Khumbula izinceku zakho o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, ungabheki inkani yalaba bantu, nabubi babo, nasono sabo,

[28] funa izwe owasikhipha kulo lithi: Lokhu uJehova wayengenamandla okubangenisa ezweni abathembise lona nangokuba wabazonda, ubakhiphile ukuba ababulale ehlane.

[29]Nokho bangabantu bakho nefa lakho owalikhipha ngamandla akho amakhulu nangengalo yakho eyeluliweyo.

UDuteronomi 10

Izibhebhe ezintsha zamatshe

[1] Ngaleso sikhathi uJehova wathi kimi: Zibazele izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala, ukhuphukele kimi entabeni, uzenzele umphongolo womuthi.

[2] Ngiyakuloba ezibhebheni amazwi ayesezibhebheni zokuqala owazaphula, uzifake emphongolweni.

[3] Ngase ngenza-ke umphongolo womuthi womtholo, ngabaza izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala, ngakhuphukela

4 Então, escreveu o SENHOR nas tábuas, segundo a primeira escritura, os dez mandamentos que ele vos falara no dia da congregação, no monte, no meio do fogo; e o SENHOR mas deu a mim.

5 Virei-me, e desci do monte, e pus as tábuas na arca que eu fizera; e ali estão, como o SENHOR me ordenou.

Da vocação da tribo de Levi

6 Partiram os filhos de Israel de Beerote-Benê-Jaacã para Mosera. Ali faleceu Arão e ali foi sepultado. Eleazar, seu filho, oficiou como sacerdote em seu lugar.

7 Dali partiram para Gudgoda e de Gudgoda para Jotbatá, terra de ribeiros de águas.

8 Por esse mesmo tempo, o SENHOR separou a tribo de Levi para levar a arca da Aliança do SENHOR, para estar diante do SENHOR, para o servir e para abençoar em seu nome até ao dia de hoje.

9 Pelo que Levi não tem parte nem herança com seus irmãos; o SENHOR é a sua herança, como o SENHOR, teu Deus, lhe tem prometido.

10 Permaneci no monte, como da primeira vez, quarenta dias e quarenta noites; o SENHOR me ouviu ainda por esta vez; não quis o SENHOR destruir-te.

entabeni nginezibhebhe zombili esandleni sami.

4Waloba ezibhebheni njengokulotshwa kokuqala imiyalelo eyishumi uJehova ayikhulumayo kini entabeni, ephakathi komlilo ngosuku lokuhlangana; uJehova wanginika zona.

5Ngase ngiphenduka ngehla entabeni, ngazifaka izibhebhe emphongolweni engiwenzile; zikhona lapho, njengalokho uJehova ebengiyala.

Ukufa kuka-Aroni

6 Abantwana bakwa-Israyeli basuka eBeyeroti Bene Jahakani, bafika eMosera; u-Aroni wafela khona, wembelwa khona; u-Eleyazare indodana yakhe wakhonza ebupristini esikhundleni sakhe.

7Basuka lapho, baya eGudigoda; basuka eGudigoda baya eJothabata, izwe lemifudlana yamanzi.

Ukwahlukaniswa kwamaLevi

8Ngaleso sikhathi uJehova wahlukanisa isizwe sakwaLevi ukuba sithwale umphongolo wesivumelwano sikaJehova, sime phambi kukaJehova ukumkhonza nokubusisa egameni lakhe, kuze kube namuhla.

9Ngalokho uLevi akanasabelo noma ifa kanye nabafowabo; uJehova uyifa lakhe njengokukhuluma kukaJehova uNkulunkulu wakho kuye.

10 Ngahlala entabeni njengakuqala izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane; uJehova wangilalela nangaleso sikhathi, akanibhubhisanga.

[11] Porém o SENHOR me disse: Levanta-te, põe-te a caminho diante do povo, para que entre e possua a terra que, sob juramento, prometi dar a seus pais.

Exortação à obediência

[12] Agora, pois, ó Israel, que é que o SENHOR requer de ti? Não é que temas o SENHOR, teu Deus, e andes em todos os seus caminhos, e o ames, e sirvas ao SENHOR, teu Deus, de todo o teu coração e de toda a tua alma,

[13] para guardares os mandamentos do SENHOR e os seus estatutos que hoje te ordeno, para o teu bem?

[14] Eis que os céus e os céus dos céus são do SENHOR, teu Deus, a terra e tudo o que nela há.

[15] Tão-somente o SENHOR se afeiçoou a teus pais para os amar; a vós outros, descendentes deles, escolheu de todos os povos, como hoje se vê.

[16] Circuncidai, pois, o vosso coração e não mais endureçais a vossa cerviz.

[17] Pois o SENHOR, vosso Deus, é o Deus dos deuses e o SENHOR dos senhores, o Deus grande, poderoso e temível, que não faz acepção de pessoas, nem aceita suborno;

[18] que faz justiça ao órfão e à viúva e ama o estrangeiro, dando-lhe pão e vestes.

[19] Amai, pois, o estrangeiro, porque fostes estrangeiros na terra do Egito.

[11]UJehova wayesethi kimi: Vuka uhambe phambi kwabantu; bayakungena, balidle izwe engalifungela oyise ukubanika lona.

Isiyalezo sokulalela imiyalo kaJehova

[12] Manje-ke, Israyeli, uJehova uNkulunkulu wakho ufunani kuwe ngaphandle kokuba umesabe uJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ngezindlela zakhe zonke, umthande, umkhonze uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho,

[13]ugcine imiyalo kaJehova nezimiso zakhe engakuyala ngakho ngalolo suku ukuba kube kuhle kuwe, na?

[14] Bheka, izulu nezulu lamazulu lingelikaJehova uNkulunkulu wakho, nomhlaba nakho konke okukuwo.

[15] Nokho uJehova wanamathela koyihlo, wabathanda, wakhetha inzalo yabo emva kwabo, yebo, nina ngaphezu kwabantu bonke, njenganamuhla.

[16] Ngalokho sokani ijwabu lezinhliziyo zenu, ningabe nisaba ntamo ilukhuni.

[17] Ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu unguNkulunkulu wawonkulunkulu, neNkosi yamakhosi, uNkulunkulu omkhulu onamandla nowesabekayo, ongakhethi buso bamuntu, nongamukeli mvuzo.

[18]Uyenza ukwahlulela kwezintandane nokomfelokazi, uyathanda umfokazi ngokumnika ukudla nezingubo.

[19]Thandani-ke umfokazi, ngokuba naningabafokazi ezweni laseGibithe.

[20] Ao SENHOR, teu Deus, temerás; a ele servirás, a ele te chegarás e, pelo seu nome, jurarás.
[21] Ele é o teu louvor e o teu Deus, que te fez estas grandes e temíveis coisas que os teus olhos têm visto.

[22] Com setenta almas, teus pais desceram ao Egito; e, agora, o SENHOR, teu Deus, te pôs como as estrelas dos céus em multidão.

[20]Womesaba uJehova uNkulunkulu wakho, umkhonze, unamathele kuye, ufunge igama lakhe.
[21]Uludumo lwakho, unguNkulunkulu wakho okwenzele lezi zinto ezinkulu nezesabekayo azibonileyo amehlo akho.
[22] Oyihlo behla, baya eGibithe bengabantu abangamashumi ayisikhombisa; manje uJehova uNkulunkulu wakho ukwenzile ube ngangezinkanyezi zezulu ngobuningi.

Deuteronômio 11

[1] Amarás, pois, o SENHOR, teu Deus, e todos os dias guardarás os seus preceitos, os seus estatutos, os seus juízos e os seus mandamentos.

[2] Considerai hoje (não falo com os vossos filhos que não conheceram, nem viram a disciplina do SENHOR, vosso Deus), considerai a grandeza do SENHOR, a sua poderosa mão e o seu braço estendido;

[3] e também os seus sinais, as suas obras, que fez no meio do Egito a Faraó, rei do Egito, e a toda a sua terra;

[4] e o que fez ao exército do Egito, aos seus cavalos e aos seus carros, fazendo passar sobre eles as águas do mar Vermelho, quando vos perseguiam, e como o SENHOR os destruiu até ao dia de hoje;

UDuteronomi 11

Ukuqhubeka kwesiyalezo sokulalela imiyalo kaJehova

[1] Ngalokho wothanda uJehova uNkulunkulu wakho, ugcine imfanelo yakhe, nezimiso zakhe, nezahlulelo zakhe, nemiyalo yakhe izinsuku zonke.
[2]Yazini namuhla ngokuba angikhulumi kubantwana benu abangazanga nabangabonanga ukulaya kukaJehova uNkulunkulu wenu ubukhulu bakhe, nesandla sakhe esinamandla, nengalo yakhe eyeluliweyo,
[3]nezibonakaliso zakhe, nezenzo zakhe owazenza phakathi kweGibithe kuFaro inkosi yaseGibithe nakulo lonke izwe lakhe,
[4] nowakwenzayo kuyo impi yaseGibithe, nakuwo amahhashi abo, nakuzo izinqola zabo, nokwenza kwakhe ukuba amanzi oLwandle Olubomvu abaminzise ekunixosheni kwabo, nokubabhubhisa kukaJehova kuze kube namuhla,

5 e o que fez no deserto, até que chegastes a este lugar;

6 e ainda o que fez a Datã e a Abirão, filhos de Eliabe, filho de Rúben; como a terra abriu a boca e os tragou e bem assim a sua família, suas tendas e tudo o que os seguia, no meio de todo o Israel;

7 porquanto os vossos olhos são os que viram todas as grandes obras que fez o SENHOR.

Os benefícios da obediência

8 Guardai, pois, todos os mandamentos que hoje vos ordeno, para que sejais fortes, e entreis, e possuais a terra para onde vos dirigis;

9 para que prolongueis os dias na terra que o SENHOR, sob juramento, prometeu dar a vossos pais e à sua descendência, terra que mana leite e mel.

10 Porque a terra que passais a possuir não é como a terra do Egito, donde saístes, em que semeáveis a vossa semente e, com o pé, a regáveis como a uma horta;

11 mas a terra que passais a possuir é terra de montes e de vales; da chuva dos céus beberá as águas;

12 terra de que cuida o SENHOR, vosso Deus; os olhos do SENHOR, vosso Deus, estão sobre ela continuamente, desde o princípio até ao fim do ano.

13 Se diligentemente obedecerdes a meus mandamentos que hoje vos ordeno, de amar o SENHOR, vosso Deus, e de o servir

5nowakwenzayo kuwe ehlane naze nafika kule ndawo,

6 nowakwenzayo kuDathani naku-Abiramu amadodana ka-Eliyabe kaRubeni ukuthi umhlaba wavula umlomo wawo, wabagwinya nabendlu yabo, namatende abo, nayo yonke imfuyo eyabalandelayo phakathi kwabo bonke abakwa-Israyeli.

7Ngokuba amehlo enu abonile zonke izenzo ezinkulu zikaJehova azenzileyo.

8 Ngalokho niyakugcina yonke imiyalo engikuyala ngayo namuhla ukuba nibe namandla, ningene nilidle izwe eniwela ukuya kulo ukulidla,

9nokuba nandise izinsuku zenu ezweni uJehova alifungela oyihlo ukubanika lona nenzalo yabo, izwe elivame ubisi nezinyosi.

10Ngokuba izwe ongena kulo ukulidla alinjengezwe laseGibithe enaphuma kulo, lapho wahlwanyela khona imbewu yakho, wayinisela ngonyawo lwakho njengesivande semifino,

11 kepha izwe eniya kulo ukulidla liyizwe lezintaba nelezigodi, liphuza amanzi emvula yezulu,

12izwe elinakekelwa nguJehova uNkulunkulu wakho; amehlo kaJehova uNkulunkulu wakho akulo njalo, kusukela ekuqaleni komnyaka kuze kube sekupheleni komnyaka.

13 Kuyakuthi uma nilalela nokulalela imiyalo yami enginiyala ngayo namuhla ukuba nimthande uJehova uNkulunkulu

de todo o vosso coração e de toda a vossa alma,	wenu, nimkhonze ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo wenu,
14 darei as chuvas da vossa terra a seu tempo, as primeiras e as últimas, para que recolhais o vosso cereal, e o vosso vinho, e o vosso azeite.	14ngiyakuninika imvula yezwe lakini ngesikhathi sayo, imvula yokuqala nemvula yamuva, ukuba ubuthe amabele akho, newayini lakho, namafutha akho.
15 Darei erva no vosso campo aos vossos gados, e comereis e vos fartareis.	15Ngiyakunika izinkomo zakho utshani emadlelweni akho; uyakudla, usuthe.
16 Guardai-vos não suceda que o vosso coração se engane, e vos desvieis, e sirvais a outros deuses, e vos prostreis perante eles;	16 Xwayani funa inhliziyo ikhohliswe, niphambuke, nikhonze abanye onkulunkulu, nikhuleke kubo,
17 que a ira do SENHOR se acenda contra vós outros, e feche ele os céus, e não haja chuva, e a terra não dê a sua messe, e cedo sejais eliminados da boa terra que o SENHOR vos dá.	17 intukuthelo kaJehova inivuthele, avale izulu, ukuze kungabikho mvula, izwe lingabe lisathela izithelo zalo, niphele masinyane ezweni elihle uJehova aninika lona.
18 Ponde, pois, estas minhas palavras no vosso coração e na vossa alma; atai-as por sinal na vossa mão, para que estejam por frontal entre os olhos.	18Niyakuwabeka lawa mazwi ami enhliziyweni yenu nasemphefumulweni wenu, niwabophe abe luphawu esandleni senu, abe yisikhumbuzo phakathi kwamehlo enu.
19 Ensinai-as a vossos filhos, falando delas assentados em vossa casa, e andando pelo caminho, e deitando-vos, e levantando-vos.	19 Niyakuwafundisa abantwana benu, ukhulume ngawo, lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka.
20 Escrevei-as nos umbrais de vossa casa e nas vossas portas,	20Uyakuwaloba ezinsikeni zomnyango wendlu yakho nasemasangweni akho
21 para que se multipliquem os vossos dias e os dias de vossos filhos na terra que o SENHOR, sob juramento, prometeu dar a vossos pais, e sejam tão numerosos como os dias do céu acima da terra.	21ukuba zandiswe izinsuku zakho nezinsuku zabantwana benu ezweni uJehova alifungela oyihlo ukubanika lona, njengezinsuku zezulu phezu komhlaba.

[22] Porque, se diligentemente guardardes todos estes mandamentos que vos ordeno para os guardardes, amando o SENHOR, vosso Deus, andando em todos os seus caminhos, e a ele vos achegardes,

[23] o SENHOR desapossará todas estas nações, e possuireis nações maiores e mais poderosas do que vós.

[24] Todo lugar que pisar a planta do vosso pé, desde o deserto, desde o Líbano, desde o rio, o rio Eufrates, até ao mar ocidental, será vosso.

[25] Ninguém vos poderá resistir; o SENHOR, vosso Deus, porá sobre toda terra que pisardes o vosso terror e o vosso temor, como já vos tem dito.

A bênção e a maldição

[26] Eis que, hoje, eu ponho diante de vós a bênção e a maldição:

[27] a bênção, quando cumprirdes os mandamentos do SENHOR, vosso Deus, que hoje vos ordeno;

[28] a maldição, se não cumprirdes os mandamentos do SENHOR, vosso Deus, mas vos desviardes do caminho que hoje vos ordeno, para seguirdes outros deuses que não conhecestes.

[29] Quando, porém, o SENHOR, teu Deus, te introduzir na terra a que vais para possuí-la, então, pronunciarás a bênção sobre o monte Gerizim e a maldição sobre o monte Ebal.

[22] Ngokuba uma nigcina nokugcina yonke le miyalo enginiyala ngayo ukuba niyenze, nimthande uJehova uNkulunkulu wenu, nihambe ngazo zonke izindlela zakhe, ninamathele kuye,

[23]uJehova uyakuzixosha zonke lezi zizwe phambi kwenu, nizidle izizwe ezinkulu nezinamandla kunani.

[24] Yonke indawo lapho amathe onyawo lwakho eyakunyathela khona iyakuba ngeyenu, kusukela ehlane naseLebanoni naseMfuleni, umfula u-Ewufrathe, kuze kube selwandle olungasemuva, lube ngumkhawulo wenu.

[25] Akuyikubakho muntu ongema phambi kwenu; uJehova uNkulunkulu wenu uyakubeka ingebhe novalo ngani ezweni lonke eniyakunyathela kulo, njengalokho akhuluma kini.

[26] Bheka, ngibeka phambi kwakho namuhla isibusiso nesiqalekiso,

[27]isibusiso, uma niyilalela imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu enginiyala ngayo namuhla,

[28] nesiqalekiso, uma ningayilaleli imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu, kepha niphambuka endleleni enginiyala ngayo namuhla, ukulandela abanye onkulunkulu eningabaziyo.

[29] Kuyakuthi lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakukungenisa ezweni oya kulo ukulidla, usibeke isibusiso entabeni yaseGerizimu nesiqalekiso entabeni yase-Ebali.

30 Porventura, não estão eles além do Jordão, na direção do pôr-do-sol, na terra dos cananeus, que habitam na Arabá, defronte de Gilgal, junto aos carvalhais de Moré?
31 Pois ides passar o Jordão para entrardes e possuirdes a terra que vos dá o SENHOR, vosso Deus; possuí-la-eis e nela habitareis.
32 Tende, pois, cuidado em cumprir todos os estatutos e os juízos que eu, hoje, vos prescrevo.

Deuteronômio 12

O lugar do culto verdadeiro

1 São estes os estatutos e os juízos que cuidareis de cumprir na terra que vos deu o SENHOR, Deus de vossos pais, para a possuirdes todos os dias que viverdes sobre a terra.
2 Destruireis por completo todos os lugares onde as nações que ides desapossar serviram aos seus deuses, sobre as altas montanhas, sobre os outeiros e debaixo de toda árvore frondosa;
3 deitareis abaixo os seus altares, e despedaçareis as suas colunas, e os seus postes-ídolos queimareis, e despedaçareis as imagens esculpidas dos seus deuses, e apagareis o seu nome daquele lugar.
4 Não fareis assim para com o SENHOR, vosso Deus,
5 mas buscareis o lugar que o SENHOR, vosso Deus, escolher de todas as vossas tribos, para ali pôr o seu nome e sua habitação; e para lá ireis.

30 Angithi ziphesheya kweJordani ngalaphaya kwendlela yasentshonalanga ezweni lamaKhanani ahlala e-Araba, malungana neGiligali ngaseceleni kwama-oki aseMore na?
31Ngokuba niyakuwela iJordani, ningene ukulidla izwe uJehova uNkulunkulu wenu aninika lona, nilidle, nihlale kulo.
32Niyakugcina ukuzenza zonke izimiso nezahlulelo engizibeka phambi kwenu namuhla.

UDuteronomi 12

Ukumkhonza uJehova kumelwe ukuba kube sendaweni eyodwa

1 Lezi ziyizimiso nezahlulelo eniyakugcina ukuzenza ezweni uJehova uNkulunkulu wawoyihlo akunike lona ukuba ulidle zonke izinsuku zokuphila kwenu emhlabeni.
2Niyakuchitha nokuchitha zonke izindawo, lapho izizwe eniyakuzidla zazikhonza khona onkulunkulu bazo ezintabeni eziphakemeyo, nasemadulini, naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza,
3niwadilize ama-altare azo, niziphohloze izinsika zazo, nibashise o-Ashera bazo ngomlilo, nizinqume izithombe ezibaziweyo zawonkulunkulu bazo, nesule igama lazo kuleyo ndawo.
4 Nina aniyikwenze njalo kuJehova uNkulunkulu wenu.
5 Kodwa indawo uJehova uNkulunkulu wenu ayakuyikhetha kuzo zonke izizwe zenu ukuba abeke igama lakhe kuyo, leyo ndlu yakhe niyakuyifuna, nize kuyo,

[6] A esse lugar fareis chegar os vossos holocaustos, e os vossos sacrifícios, e os vossos dízimos, e a oferta das vossas mãos, e as ofertas votivas, e as ofertas voluntárias, e os primogênitos das vossas vacas e das vossas ovelhas.

[6]nilethe khona iminikelo yenu yokushiswa, nemihlatshelo yenu, nokweshumi kwenu, nomnikelo wenu wokuphakanyiswa wesandla senu, nezithembiso zenu, neminikelo yenu yesihle, namazibulo ezinkomo zenu nawezimvu zenu,

[7] Lá, comereis perante o SENHOR, vosso Deus, e vos alegrareis em tudo o que fizerdes, vós e as vossas casas, no que vos tiver abençoado o SENHOR, vosso Deus.

[7]nidle khona phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu, nename kukho konke enibeka kukho isandla senu, nina nabendlu yenu, uJehova uNkulunkulu wakho akubusise ngakho.

[8] Não procedereis em nada segundo estamos fazendo aqui, cada qual tudo o que bem parece aos seus olhos,
[9] porque, até agora, não entrastes no descanso e na herança que vos dá o SENHOR, vosso Deus.
[10] Mas passareis o Jordão e habitareis na terra que vos fará herdar o SENHOR, vosso Deus; e vos dará descanso de todos os vossos inimigos em redor, e morareis seguros.

[8] Aniyikwenza njengezinto zonke esizenzayo lapha namuhla, kube yilowo nalowo njengokulungile emehlweni akhe,
[9]ngokuba anikafiki ekuphumuleni nasefeni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.
[10]Kepha lapho niwela iJordani, nihlale ezweni uJehova uNkulunkulu wenu aninika lona libe yifa lenu, aniphumuze ezitheni zenu zonke nxazonke ukuba nihlale nilondekile,

[11] Então, haverá um lugar que escolherá o SENHOR, vosso Deus, para ali fazer habitar o seu nome; a esse lugar fareis chegar tudo o que vos ordeno: os vossos holocaustos, e os vossos sacrifícios, e os vossos dízimos, e a oferta das vossas mãos, e toda escolha dos vossos votos feitos ao SENHOR,

[11]kuyakuthi kuleyo ndawo uJehova uNkulunkulu wenu ayakuyikhetha ukuba kuhlale khona igama lakhe, niyise lapho konke enginiyala ngakho: iminikelo yenu yokushiswa, nemihlatshelo yenu, nokweshumi kwenu, nomnikelo wokuphakanyiswa wesandla senu, nezithembiso zenu ezikhethiweyo enizethembisa kuJehova;

[12] e vos alegrareis perante o SENHOR, vosso Deus, vós, os vossos filhos, as vossas filhas, os vossos servos, as vossas servas e

[12] niyakwenama phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu, nina namadodana enu, namadodakazi enu, nezinceku zenu,

o levita que mora dentro das vossas cidades e que não tem porção nem herança convosco.

[13] Guarda-te, não ofereças os teus holocaustos em todo lugar que vires;

[14] mas, no lugar que o SENHOR escolher numa das tuas tribos, ali oferecerás os teus holocaustos e ali farás tudo o que te ordeno.

De como comer a carne e as ofertas

[15] Porém, consoante todo desejo da tua alma, poderás matar e comer carne nas tuas cidades, segundo a bênção do SENHOR, teu Deus; o imundo e o limpo dela comerão, assim como se come da carne do corço e do veado.

[16] Tão-somente o sangue não comerás; sobre a terra o derramarás como água.

[17] Nas tuas cidades, não poderás comer o dízimo do teu cereal, nem do teu vinho, nem do teu azeite, nem os primogênitos das tuas vacas, nem das tuas ovelhas, nem nenhuma das tuas ofertas votivas, que houveres prometido, nem as tuas ofertas voluntárias, nem as ofertas das tuas mãos;

[18] mas o comerás perante o SENHOR, teu Deus, no lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher, tu, e teu filho, e tua filha, e teu servo, e tua serva, e o levita que mora na tua cidade; e perante o SENHOR, teu Deus, te alegrarás em tudo o que fizeres.

nezincekukazi zenu, nomLevi ophakathi kwamasango enu, lokhu engenasabelo nafa kini.

[13]Xwaya ukuba unganikeli ngeminikelo yakho yokushiswa ezindaweni zonke ozibonayo,

[14]kepha kuleyo ndawo uJehova ayakuyikhetha kwesinye sezizwe zakho, uyakunikela lapho ngeminikelo yakho yokushiswa, wenze khona konke engikuyala ngakho.

[15] Nokho ungahlaba, udle inyama ngaphakathi kwawo onke amasango akho njengesifiso somphefumulo wakho nanjengesibusiso sikaJehova uNkulunkulu wakho akuphe sona; ongcolileyo nohlambulukileyo bangadla kukho njengokwensephe nokwendluzele.

[16] Kuphela igazi aniyikulidla; uyakulithulula emhlabeni njengamanzi.

[17]Ungekudle ngaphakathi kwamasango akho okweshumi kwamabele akho, noma okwewayini lakho, noma okwamafutha akho, noma okwamazibulo ezinkomo zakho, noma awezimvu zakho, noma izithembiso zakho ozenzayo, noma iminikelo yakho yesihle, noma umnikelo wokuphakanyiswa wesandla sakho,

[18]kepha ukudle phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho kuleyo ndawo ayakuyikhetha uJehova uNkulunkulu wakho, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nomLevi ophakathi kwamasango akho, wename phambi

kukaJehova uNkulunkulu wakho kukho konke obeka kukho isandla sakho.

[19] Guarda-te, não desampares o levita todos os teus dias na terra.

[19] Xwaya ukuba ungameyisi umLevi isikhathi sonke sokuhlala kwakho ezweni lakho.

[20] Quando o SENHOR, teu Deus, alargar o teu território, como te prometeu, e, por desejares comer carne, disseres: Comerei carne, então, segundo o teu desejo, comerás carne.

[20] Lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakwandisa umkhawulo wakho njengokukwethembisa kwakhe, uze uthi: Ngiyakudla inyama, lokhu umphefumulo wakho ufisa ukudla inyama, ungayidla inyama njengesifiso sonke somphefumulo wakho.

[21] Se estiver longe de ti o lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher para nele pôr o seu nome, então, matarás das tuas vacas e tuas ovelhas, que o SENHOR te houver dado, como te ordenei; e comerás dentro da tua cidade, segundo todo o teu desejo.

[21]Uma indawo uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba abeke kuyo igama lakhe ikude nawe, uyakuhlaba emhlambini wakho nasezimvini zakho akunike khona uJehova, njengalokho ngakuyala, udle phakathi kwamasango akho njengesifiso somphefumulo wakho.

[22] Porém, como se come da carne do corço e do veado, assim comerás destas carnes; destas comerá tanto o homem imundo como o limpo.

[22]Njengalokhu kudliwa insephe nendluzele, uyakukudla kanjalo; ongcolileyo nohlambulukileyo bayakudla ngokufananayo.

[23] Somente empenha-te em não comeres o sangue, pois o sangue é a vida; pelo que não comerás a vida com a carne.

[23] Qaphela kuphela ukuba ungalidli igazi, ngokuba igazi lingumphefumulo; awuyikuwudla umphefumulo kanye nenyama.

[24] Não o comerás; na terra o derramarás como água.

[24]Ungalidli; lithulule emhlabeni njengamanzi.

[25] Não o comerás, para que bem te suceda a ti e a teus filhos, depois de ti, quando fizeres o que é reto aos olhos do SENHOR.

[25]Ungalidli ukuba kube kuhle nakubantwana bakho emva kwakho, lapho wenza okulungile emehlweni kaJehova.

[26] Porém tomarás o que houveres consagrado daquilo que te pertence e as tuas ofertas votivas e virás ao lugar que o SENHOR escolher.

[27] E oferecerás os teus holocaustos, a carne e o sangue sobre o altar do SENHOR, teu Deus; e o sangue dos teus sacrifícios se derramará sobre o altar do SENHOR, teu Deus; porém a carne comerás.

[28] Guarda e cumpre todas estas palavras que te ordeno, para que bem te suceda a ti e a teus filhos, depois de ti, para sempre, quando fizeres o que é bom e reto aos olhos do SENHOR, teu Deus.

[29] Quando o SENHOR, teu Deus, eliminar de diante de ti as nações, para as quais vais para possuí-las, e as desapossares e habitares na sua terra,

[30] guarda-te, não te enlaces com imitá-las, após terem sido destruídas diante de ti; e que não indagues acerca dos seus deuses, dizendo: Assim como serviram estas nações aos seus deuses, do mesmo modo também farei eu.

[31] Não farás assim ao SENHOR, teu Deus, porque tudo o que é abominável ao SENHOR e que ele odeia fizeram eles a seus deuses, pois até seus filhos e suas filhas queimaram aos seus deuses.

[32] Tudo o que eu te ordeno observarás; nada lhe acrescentarás, nem diminuirás.

[26] Izinto zakho ezingcwele onazo nezithembiso zakho wozithatha, uye endaweni ayakuyikhetha uJehova,

[27]unikele ngeminikelo yakho yokushiswa, inyama negazi, e-altare likaJehova uNkulunkulu wakho, igazi lemihlatshelo yakho lithululwe phezu kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wakho, wena uyidle inyama.

[28]Qaphela, uzwe onke lawa mazwi engikuyala ngawo ukuba kube kuhle kuwe nakubantwana bakho emva kwakho kuze kube phakade, lapho wenza okuhle nokulungile emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho.

[29] Nxa uJehova uNkulunkulu wakho eyakuzinquma izizwe ngaphambi kwakho, lapho ungena khona ukuzidla, nanxa usuzidlile wahlala ezweni lakubo,

[30] xwaya ukuba ungacushwa ukuzilandela sezichithiwe phambi kwakho, ungabuzi ngawonkulunkulu bazo, uthi: Lezi zizwe zikhonza kanjani onkulunkulu bazo na? Nami ngiyakwenza kanjalo.

[31]Awuyikwenze njalo kuJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba zenzile konkulunkulu bazo konke okuyisinengiso kuJehova akuzondayo, lokhu ziwashisela ngomlilo onkulunkulu bazo amadodana azo namadodakazi azo.

[32] Konke enginiyala ngakho, anoqaphela ukuba nikwenze; awuyikuthasisela kukho, futhi ungakunciphisi.

Deuteronômio 13

Contra os falsos profetas e os idólatras

[1] Quando profeta ou sonhador se levantar no meio de ti e te anunciar um sinal ou prodígio,

[2] e suceder o tal sinal ou prodígio de que te houver falado, e disser: Vamos após outros deuses, que não conheceste, e sirvamo-los,

[3] não ouvirás as palavras desse profeta ou sonhador; porquanto o SENHOR, vosso Deus, vos prova, para saber se amais o SENHOR, vosso Deus, de todo o vosso coração e de toda a vossa alma.

[4] Andareis após o SENHOR, vosso Deus, e a ele temereis; guardareis os seus mandamentos, ouvireis a sua voz, a ele servireis e a ele vos achegareis.

[5] Esse profeta ou sonhador será morto, pois pregou rebeldia contra o SENHOR, vosso Deus, que vos tirou da terra do Egito e vos resgatou da casa da servidão, para vos apartar do caminho que vos ordenou o SENHOR, vosso Deus, para andardes nele. Assim, eliminarás o mal do meio de ti.

[6] Se teu irmão, filho de tua mãe, ou teu filho, ou tua filha, ou a mulher do teu amor, ou teu amigo que amas como à tua

UDuteronomi 13

Isixwayiso ngabaprofethi bamanga nokukhonza izithixo

[1] Uma kuvuka phakathi kwakho umprofethi, noma umphuphi wamaphupho, akunike isibonakaliso nesimangaliso,

[2]isibonakaliso noma isimangaliso akhulume ngaso kuwe besesenzeka, athi: Masilandele abanye onkulunkulu ongabaziyo, sibakhonze,

[3]awuyikulalela amazwi alowo mprofethi, noma lowo mphuphi wamaphupho, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyakulinga ukuba azi ukuthi uyathanda yini uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke umphefumulo wakho na?

[4]Niyakuhamba emva kukaJehova uNkulunkulu wenu, nimesabe, niyigcine imiyalo yakhe, nililalele izwi lakhe, nimkhonze, ninamathele kuye.

[5] Lowo mprofethi noma lowo mphuphi wamaphupho wobulawa, ngokuba ukhulumile okunihlubukisa uJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe, wakuhlenga endlini yobugqila, ukuba akuphambukise endleleni uJehova uNkulunkulu wakho akuyala ukuba uhambe ngayo. Uyakukhipha kanjalo ububi phakathi kwakho.

[6] Uma umfowenu, indodana yakho, noma indodakazi yakho, noma umkakho osesifubeni sakho, noma umngane wakho

alma te incitar em segredo, dizendo: Vamos e sirvamos a outros deuses, que não conheceste, nem tu, nem teus pais,

[7] dentre os deuses dos povos que estão em redor de ti, perto ou longe de ti, desde uma até à outra extremidade da terra,

[8] não concordarás com ele, nem o ouvirás; não olharás com piedade, não o pouparás, nem o esconderás,

[9] mas, certamente, o matarás. A tua mão será a primeira contra ele, para o matar, e depois a mão de todo o povo.

[10] Apedrejá-lo-ás até que morra, pois te procurou apartar do SENHOR, teu Deus, que te tirou da terra do Egito, da casa da servidão.

[11] E todo o Israel ouvirá e temerá, e não se tornará a praticar maldade como esta no meio de ti.

[12] Quando em alguma das tuas cidades que o SENHOR, teu Deus, te dá, para ali habitares, ouvires dizer

[13] que homens malignos saíram do meio de ti e incitaram os moradores da sua cidade, dizendo: Vamos e sirvamos a outros deuses, que não conheceste,

[14] então, inquirirás, investigarás e, com diligência, perguntarás; e eis que, se for verdade e certo que tal abominação se cometeu no meio de ti,

onjengomphefumulo wakho ekuyenga ngasese, ethi: Masiye ukukhonza abanye onkulunkulu ongabaziyo, wena nawoyihlo,

[7]onkulunkulu babantu abakuzungezayo, beseduze nawe noma bekude nawe, kusukela kolunye uhlangothi lomhlaba kuze kufike kolunye uhlangothi lomhlaba,

[8]awuyikumvumela, ungamlaleli; iso lakho aliyikumhawukela, ungamyeki, ungamfihli,

[9]kepha wombulala impela; isandla sakho siyakuba phezu kwakhe kuqala ukumbulala, ngasemuva isandla sabantu bonke.

[10]Uyakumkhanda ngamatshe ukuba afe, ngokuba uzamile ukukuhlubukisa uJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.

[11] U-Israyeli wonke uyakuzwa, esabe, angabe esabenza ububi obunjalo njengalobo obuphakathi kwakho.

[12] Uma uyakuzwa ngomunye wemizi yakho uJehova uNkulunkulu wakho akupha wona ukuba wakhe kuwo, kuthiwa:

[13]Abantu abathile abonakeleyo baphumile phakathi kwakho, bahlubukisile abomuzi wabo ngokuthi: Masiye sikhonze abanye onkulunkulu eningabaziyo,

[14]wobuza, uphenye, ubuzisise; bheka, uma kuyiqiniso, leyo nto iqinisekile ukuthi isinengiso esinjalo senziwe phakathi kwakho,

[15] então, certamente, ferirás a fio de espada os moradores daquela cidade, destruindo-a completamente e tudo o que nela houver, até os animais.

[16] Ajuntarás todo o seu despojo no meio da sua praça e a cidade e todo o seu despojo queimarás por oferta total ao SENHOR, teu Deus, e será montão perpétuo de ruínas; nunca mais se edificará.

[17] Também nada do que for condenado deverá ficar em tua mão, para que o SENHOR se aparte do ardor da sua ira, e te faça misericórdia, e tenha piedade de ti, e te multiplique, como jurou a teus pais,

[18] se ouvires a voz do SENHOR, teu Deus, e guardares todos os seus mandamentos que hoje te ordeno, para fazeres o que é reto aos olhos do SENHOR, teu Deus.

Deuteronômio 14

Mutilação do corpo proibida

[1] Filhos sois do SENHOR, vosso Deus; não vos dareis golpes, nem sobre a testa fareis calva por causa de algum morto.

[2] Porque sois povo santo ao SENHOR, vosso Deus, e o SENHOR vos escolheu de todos os povos que há sobre a face da terra, para lhe serdes seu povo próprio.

Leis sobre os animais limpos e os imundos

Levítico 11.1-47

[3] Não comereis coisa alguma abominável.

[15]woshaya nokushaya abantu balowo muzi ngosiko lwenkemba, uwuchithe impela, nakho konke okuphakathi kwawo, nezinkomo zawo, ngosiko lwenkemba.

[16]Uyakuyibuthela yonke impango yawo phakathi nesigcawu sawo, uwushise umuzi ngomlilo, nayo yonke impango yawo, ibe ngumnikelo oshiswa wonke kuJehova uNkulunkulu wakho, ube yinxiwa njalo, ungabe usakhiwa futhi.

[17]Akuyikunamathela lutho lokuqalekisiweyo esandleni sakho ukuba uJehova aphenduke entukuthelweni yakhe evuthayo, akuphathe ngomusa, abe nesihe kuwe, akwandise, njengalokho afunga koyihlo,

[18]nxa ulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho ukuba ugcine yonke imiyalo yakhe engikuyala ngayo namuhla, wenze okulungile emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho.

UDuteronomi 14

Izilwane ezihlambulukileyo nezingcolileyo

[1] Ningabantwana bakaJehova uNkulunkulu wenu; aniyikuzisika, ningaziphuculi phezu kwamehlo enu ngenxa yabafileyo.

[2] Ngokuba ningabantu abangcwele kuJehova uNkulunkulu wenu; uJehova unikhethile nibe yisizwe senzuzo yakhe ngaphezu kwezizwe zonke ezisebusweni bomhlaba.

[3] Ungadli into enengekayo.

4 São estes os animais que comereis: o boi, a ovelha, a cabra,
5 o veado, a gazela, a corça, a cabra montês, o antílope, a ovelha montês e o gamo.
6 Todo animal que tem unhas fendidas, e o casco se divide em dois, e rumina, entre os animais, isso comereis.
7 Porém estes não comereis, dos que somente ruminam ou que têm a unha fendida: o camelo, a lebre e o arganaz, porque ruminam, mas não têm a unha fendida; imundos vos serão.
8 Nem o porco, porque tem unha fendida, mas não rumina; imundo vos será. Destes não comereis a carne e não tocareis no seu cadáver.
9 Isto comereis de tudo o que há nas águas: tudo o que tem barbatanas e escamas.
10 Mas tudo o que não tiver barbatanas nem escamas não o comereis; imundo vos será.
11 Toda ave limpa comereis.
12 Estas, porém, são as que não comereis: a águia, o quebrantosso, a águia marinha,
13 o açor, o falcão e o milhano, segundo a sua espécie;
14 e todo corvo, segundo a sua espécie;
15 o avestruz, a coruja, a gaivota e o gavião, segundo a sua espécie;
16 o mocho, a íbis, a gralha,
17 o pelicano, o abutre, o corvo marinho,

4 Nazi izilwane eningazidla: inkomo, nemvu, nembuzi,
5nendluzele, nensephe, nenxala, nempala, nempalampala, newula, negogo.
6Ningadla nezilwane ezahlukanisa inselo, ezidabula inselo kabili, ezetshisayo kuzo izilwane.
7Nokho lezi aniyikuzidla kwezetshisayo nakuzo ezidabula inselo: ikamela, nonogwaja, nembila, ngokuba ziyetshisa, zingahlukanisi kodwa inselo; zingcolile kini;
8nengulube, ngokuba iyahlukanisa inselo, ingetshisi kodwa; ingcolile kini; aniyikuyidla inyama yazo, ningathinti izidumbu zazo.
9 Lezi ningazidla kuzo zonke ezisemanzini: zonke ezinamaphiko nezingcwecwe;
10zonke ezingenamaphiko nazingcwecwe ningezidle; zingcolile kini.
11 Ningadla kuzo zonke izinyoni ezihlambulukileyo.
12 Kodwa yilezi eningayikudla kuzo: ukhozi, nenqe, nengqungqulu,
13nesiphungumangathi, noheshe, nonhloyile ngezinhlobo zakhe,
14nawo onke amagwababa ngezinhlobo zawo,
15nentshe, nenkovana, nenkanku, noklebe ngezinhlobo zakhe,
16nesikhova, nomxwagele, nefukezi,
17nevuba, nophalane, nomphishamanzi,

[18] a cegonha, e a garça, segundo a sua espécie, e a poupa, e o morcego.

[19] Também todo inseto que voa vos será imundo; não se comerá.

[20] Toda ave limpa comereis.

[21] Não comereis nenhum animal que morreu por si. Podereis dá-lo ao estrangeiro que está dentro da tua cidade, para que o coma, ou vendê-lo ao estranho, porquanto sois povo santo ao SENHOR, vosso Deus. Não cozerás o cabrito no leite da sua própria mãe.

Os dízimos para o serviço do SENHOR

[22] Certamente, darás os dízimos de todo o fruto das tuas sementes, que ano após ano se recolher do campo.

[23] E, perante o SENHOR, teu Deus, no lugar que escolher para ali fazer habitar o seu nome, comerás os dízimos do teu cereal, do teu vinho, do teu azeite e os primogênitos das tuas vacas e das tuas ovelhas; para que aprendas a temer o SENHOR, teu Deus, todos os dias.

[24] Quando o caminho te for comprido demais, que os não possas levar, por estar longe de ti o lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher para ali pôr o seu nome, quando o SENHOR, teu Deus, te tiver abençoado,

[25] então, vende-os, e leva o dinheiro na tua mão, e vai ao lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher.

[18]nonogolantethe, nonozalizingwenya ngezinhlobo zakhe, noziningweni, nelulwane.

[19] Nezilwanyana zonke ezinamaphiko zingcolile kini: azinakudliwa.

[20]Kepha ezinyonini zonke ezihlambulukileyo ningadla.

[21] Aniyikudla lutho lwengcuba; ungamnika umfokazi ophakathi kwamasango akho ukuba akudle, noma uthengise ngakho kowezizwe, ngokuba wena uyisizwe esingcwele kuJehova uNkulunkulu wakho. Awuyikupheka izinyane lembuzi obisini lukanina.

Okweshumi

[22] Uyakunikela ngokweshumi kwazo zonke izithelo zembewu yakho, lokho okuvela ensimini iminyaka ngeminyaka,

[23] ukudle phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho endaweni ayakuyikhetha yena ukuba igama lakhe lihlale kuyo, okweshumi kwamabele akho, nokwewayini lakho, nokwamafutha akho, nokwamazibulo ezinkomo zakho, nokwawezimvu zakho, ukuba ufunde ukumesaba uJehova uNkulunkulu wakho njalo.

[24]Uma indlela ikude nawe, ungenamandla okukuthwala, ngokuba ikude kakhulu nawe indawo uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba alibeke kuyo igama lakhe, lapho uJehova uNkulunkulu wakho ekubusisa,

[25]uyakukwenana ngemali, uyisonge imali esandleni sakho, uye endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha,

[26] Esse dinheiro, dá-lo-ás por tudo o que deseja a tua alma, por vacas, ou ovelhas, ou vinho, ou bebida forte, ou qualquer coisa que te pedir a tua alma; come-o ali perante o SENHOR, teu Deus, e te alegrarás, tu e a tua casa;

[27] porém não desampararás o levita que está dentro da tua cidade, pois não tem parte nem herança contigo.

[28] Ao fim de cada três anos, tirarás todos os dízimos do fruto do terceiro ano e os recolherás na tua cidade.

[29] Então, virão o levita (pois não tem parte nem herança contigo), o estrangeiro, o órfão e a viúva que estão dentro da tua cidade, e comerão, e se fartarão, para que o SENHOR, teu Deus, te abençoe em todas as obras que as tuas mãos fizerem.

Deuteronômio 15

O ano da remissão

[1] Ao fim de cada sete anos, farás remissão.

[2] Este, pois, é o modo da remissão: todo credor que emprestou ao seu próximo alguma coisa remitirá o que havia emprestado; não o exigirá do seu próximo ou do seu irmão, pois a remissão do SENHOR é proclamada.

[3] Do estranho podes exigi-lo, mas o que tiveres em poder de teu irmão, quitá-lo-ás;

[26]uthenge ngaleyo mali noma intoni umphefumulo wakho oyithandayo, izinkabi, noma izimvu, noma iwayini, noma uphuzo olunamandla, noma intoni umphefumulo wakho oyifunayo, udle khona phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, wename, wena nabendlu yakho;

[27] nomLevi ophakathi kwamasango akho awuyikumeyisa, ngokuba akanasabelo nafa nawe.

[28] Ngasekugcineni kweminyaka emithathu njalo uyakukhipha konke okweshumi kwezithelo zakho ngawona lowo mnyaka, ukubekelele phakathi kwamasango akho;

[29] nomLevi, lokhu engenasabelo nafa nawe, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi, abangaphakathi kwamasango akho, bayakuza, badle, basuthe ukuba uJehova uNkulunkulu wakho akubusise emsebenzini wonke wesandla sakho owenzayo.

UDuteronomi 15

Umnyaka woyekelo

[1] Ngasekugcineni kweminyaka eyisikhombisa njalo uyakwenza uyekelo.

[2]Nansi indlela yoyekelo: Yilowo nalowo otshelekileyo uyakuyekela lokho akutshelekile umakhelwane wakhe; akayikukubiza kumakhelwane wakhe nakumfowabo, ngokuba uyekelo lukaJehova lumenyezelwe.

[3]Kowezizwe ungakubiza, kepha noma yikuphi okwakho okukumfowenu, lokho isandla sakho siyakukuyekela.

[4] para que entre ti não haja pobre; pois o SENHOR, teu Deus, te abençoará abundantemente na terra que te dá por herança, para a possuíres,

[5] se apenas ouvires, atentamente, a voz do SENHOR, teu Deus, para cuidares em cumprir todos estes mandamentos que hoje te ordeno.

[6] Pois o SENHOR, teu Deus, te abençoará, como te tem dito; assim, emprestarás a muitas nações, mas não tomarás empréstimos; e dominarás muitas nações, porém elas não te dominarão.

Leis a favor dos pobres
Levítico 25.35-38

[7] Quando entre ti houver algum pobre de teus irmãos, em alguma das tuas cidades, na tua terra que o SENHOR, teu Deus, te dá, não endurecerás o teu coração, nem fecharás as mãos a teu irmão pobre;

[8] antes, lhe abrirás de todo a mão e lhe emprestarás o que lhe falta, quanto baste para a sua necessidade.

[9] Guarda-te não haja pensamento vil no teu coração, nem digas: Está próximo o sétimo ano, o ano da remissão, de sorte que os teus olhos sejam malignos para com teu irmão pobre, e não lhe dês nada, e ele clame contra ti ao SENHOR, e haja em ti pecado.

[10] Livremente, lhe darás, e não seja maligno o teu coração, quando lho deres;

[4]Nokho ngabe kungabikho abampofu kuwe, ngokuba uJehova uyakukubusisa nokukubusisa ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho ukuba ulidle,

[5]uma ulalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho kuphela, ugcine ukwenza yonke le miyalo engikuyala ngayo namuhla.

[6] Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa njengokukwethembisa kwakhe, utsheleke izizwe eziningi, kepha ungatsheleki lutho kuzo; uyakubusa izizwe eziningi, kepha zona aziyikukubusa wena.

[7] Uma kukhona kuwe ompofu, omunye wabafowenu, phakathi kwelithile lamasango ezweni lakini uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, awuyikuyenza lukhuni inhliziyo yakho, ungamvaleli umfowenu ompofu isandla sakho,

[8] kepha umvulele nokumvulela isandla sakho, umtsheleke impela okwanele ukudinga kwakhe akuswelayo.

[9]Xwaya ukuba kungabikho mcabango omubi enhliziyweni yakho ngokuthi: Umnyaka wesikhombisa, umnyaka woyekelo, ususeduze; iso lakho beseliba libi kumfowenu ompofu, ungamniki lutho, abesekhala kuJehova ngawe, kube yisono sakho.

[10] Womnika nokumnika, inhliziyo yakho ingakhathazeki lapho umnika, ngokuba

pois, por isso, te abençoará o SENHOR, teu Deus, em toda a tua obra e em tudo o que empreenderes.

[11] Pois nunca deixará de haver pobres na terra; por isso, eu te ordeno: livremente, abrirás a mão para o teu irmão, para o necessitado, para o pobre na tua terra.

Leis acerca dos servos
Êxodo 21.1-11

[12] Quando um de teus irmãos, hebreu ou hebréia, te for vendido, seis anos servir-te-á, mas, no sétimo, o despedirás forro.

[13] E, quando de ti o despedires forro, não o deixarás ir vazio.

[14] Liberalmente, lhe fornecerás do teu rebanho, da tua eira e do teu lagar; daquilo com que o SENHOR, teu Deus, te houver abençoado, lhe darás.

[15] Lembrar-te-ás de que foste servo na terra do Egito e de que o SENHOR, teu Deus, te remiu; pelo que, hoje, isso te ordeno.

[16] Se, porém, ele te disser: Não sairei de ti; porquanto te ama, a ti e a tua casa, por estar bem contigo,

[17] então, tomarás uma sovela e lhe furarás a orelha, na porta, e será para sempre teu servo; e também assim farás à tua serva.

ngenxa yalokho uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa emsebenzini wakho wonke nakukho konke obeka kukho isandla sakho.

[11] Ngokuba ompofu akasoze aphela ezweni; ngakho-ke ngiyakuyala ngithi: Womvulela nokumvulela umfowenu isandla sakho, abaswelayo bakho nabampofu bakho ezweni lakini.

[12] Uma umfowenu, umHeberu noma umHeberukazi, ethengiswa kuwe, akukhonze iminyaka eyisithupha, ngomnyaka wesikhombisa uyakumyekela ukuba ahambe.

[13]Nxa umyekela ukuba ahambe, awuyikummukisa ze.

[14]Uyakumthwesa nokumthwesa ngezimvu zakho, nangokwesibuya sakho, nangokwesikhamo sakho sewayini; njengalokho uJehova uNkulunkulu wakho ekubusisile, kanjalo womnika yena.

[15]Uyakukhumbula ukuthi wawuyisigqila ezweni laseGibithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakuhlenga; ngalokho ngiyakuyala ngale nto namuhla.

[16] Kuyakuthi uma ethi kuwe: Angiyikusuka kuwe, lokhu ekuthanda wena nendlu yakho, ngokuba ehlala kahle kuwe,

[17]uyakuthatha usungulo, ubhobozele indlebe yakhe emnyango, abeseba yinceku yakho kuze kube phakade. Nakuyo incekukazi yakho uyakwenze njalo.

[18] Não pareça aos teus olhos duro o despedi-lo forro; pois seis anos te serviu por metade do salário do jornaleiro; assim, o SENHOR, teu Deus, te abençoará em tudo o que fizeres.

Leis acerca dos primogênitos do gado

[19] Todo primogênito que nascer do teu gado ou de tuas ovelhas, o macho consagrarás ao SENHOR, teu Deus; com o primogênito do teu gado não trabalharás, nem tosquiarás o primogênito das tuas ovelhas.

[20] Comê-lo-ás perante o SENHOR, tu e a tua casa, de ano em ano, no lugar que o SENHOR escolher.

[21] Porém, havendo nele algum defeito, se for coxo, ou cego, ou tiver outro defeito grave, não o sacrificarás ao SENHOR, teu Deus.

[22] Na tua cidade, o comerás; o imundo e o limpo o comerão juntamente, como a carne do corço ou do veado.

[23] Somente o seu sangue não comerás; sobre a terra o derramarás como água.

Deuteronômio 16

As três festas dos judeus
A Páscoa
Êxodo 23.14-15; 34.18; Levítico 23.4-8

[1] Guarda o mês de abibe e celebra a Páscoa do SENHOR, teu Deus; porque, no mês de abibe, o SENHOR, teu Deus, te tirou do Egito, de noite.

[18] Makungabi lukhuni emehlweni akho lapho umyekela ukuba ahambe, ngokuba ukukhonzile iminyaka eyisithupha ngenxenye yemali yomqashwa; uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa kukho konke okwenzayo.

Amazibulo ezinkomo

[19] Onke amazibulo amaduna azalwa ezinkomeni zakho nasezimvini zakho wowangcwelisela uJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza ngezibulo lezinkomo zakho, ungaligundi izibulo lezimvu zakho.

[20]Uyakulidla phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho iminyaka ngeminyaka endaweni uJehova ayakuyikhetha, wena nabendlu yakho.

[21] Uma linesici, liqhuga, noma liyimpumputhe, noma yisiphi isici, awuyikunikela ngalo kuJehova uNkulunkulu wakho.

[22]Uyakulidla phakathi kwamasango akho, ongcolileyo nohlambulukileyo ngokufananayo, njengensephe nendluzele.

[23] Kuphela igazi lalo awuyikulidla; lithululele emhlabathini njengamanzi.

UDuteronomi 16

Imikhosi emithathu emikhulu

[1] Gcina inyanga ka-Abibi, nilenze iphasika likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba ngenyanga ka-Abibi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha eGibithe ebusuku.

[2] Então, sacrificarás como oferta de Páscoa ao SENHOR, teu Deus, do rebanho e do gado, no lugar que o SENHOR escolher para ali fazer habitar o seu nome.

[2]Uyakunikela ngephasika kuJehova uNkulunkulu wakho ezimvini nasezinkomeni endaweni uJehova ayakuyikhetha ukuba kuhlale igama lakhe kuyo.

[3] Nela, não comerás levedado; sete dias, nela, comerás pães asmos, pão de aflição (porquanto, apressadamente, saíste da terra do Egito), para que te lembres, todos os dias da tua vida, do dia em que saíste da terra do Egito.

[3] Awuyikudla sinkwa esivutshelweyo kanye nalo; izinsuku eziyisikhombisa uyakudla isinkwa esingenamvubelo kanye nalo, isinkwa senhlupheko, ngokuba waphuma ezweni laseGibithe ngokunonopha ukuba ulukhumbule usuku owaphuma ngalo ezweni laseGibithe zonke izinsuku zokuhamba kwakho.

[4] Fermento não se achará contigo por sete dias, em todo o teu território; também da carne que sacrificares à tarde, no primeiro dia, nada ficará até pela manhã.

[4]Akuyikubonakala mvubelo kuwe emikhawulweni yakho yonke izinsuku eziyisikhombisa; futhi akuyikusala nyama oyihlabile ngosuku lokuqala kusihlwa ubusuku bonke kuze kuse.

[5] Não poderás sacrificar a Páscoa em nenhuma das tuas cidades que te dá o SENHOR, teu Deus,

[5] Awunakuhlaba iphasika phakathi kwamasango akho uJehova uNkulunkulu wakho akunika wona;

[6] senão no lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher para fazer habitar o seu nome, ali sacrificarás a Páscoa à tarde, ao pôr-do-sol, ao tempo em que saíste do Egito.

[6]kepha endaweni ayakuyikhetha uJehova uNkulunkulu wakho ukuba igama lakhe lihlale kuyo, lapho uyakuhlaba iphasika kusihlwa ekushoneni kwelanga, ngesikhathi owaphuma ngaso eGibithe.

[7] Então, a cozerás e comerás no lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher; sairás pela manhã e voltarás às tuas tendas.

[7]Uyakulipheka, ulidle endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha, uphenduke ekuseni, uye ematendeni akho.

[8] Seis dias comerás pães asmos, e, no sétimo dia, é solenidade ao SENHOR, teu Deus; nenhuma obra farás.

[8]Izinsuku eziyisithupha uyakudla isinkwa esingenamvubelo, ngosuku lwesikhombisa kube ngumhlangano ozothileyo kuJehova uNkulunkulu wakho; ungasebenzi msebenzi.

O Pentecostes

Êxodo 23.16; 34.22; Levítico 23.15-21

[9] Sete semanas contarás; quando a foice começar na seara, entrarás a contar as sete semanas.

[10] E celebrarás a Festa das Semanas ao SENHOR, teu Deus, com ofertas voluntárias da tua mão, segundo o SENHOR, teu Deus, te houver abençoado.

[11] Alegrar-te-ás perante o SENHOR, teu Deus, tu, e o teu filho, e a tua filha, e o teu servo, e a tua serva, e o levita que está dentro da tua cidade, e o estrangeiro, e o órfão, e a viúva que estão no meio de ti, no lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher para ali fazer habitar o seu nome.

[12] Lembrar-te-ás de que foste servo no Egito, e guardarás estes estatutos, e os cumprirás.

Os Tabernáculos
Levítico 23.33-43

[13] A Festa dos Tabernáculos, celebrá-la-ás por sete dias, quando houveres recolhido da tua eira e do teu lagar.

[14] Alegrar-te-ás, na tua festa, tu, e o teu filho, e a tua filha, e o teu servo, e a tua serva, e o levita, e o estrangeiro, e o órfão, e a viúva que estão dentro das tuas cidades.

[15] Sete dias celebrarás a festa ao SENHOR, teu Deus, no lugar que o SENHOR escolher, porque o SENHOR, teu Deus, há

[9] Wozibalela amasonto ayisikhombisa; kusukela esikhathini oqala ngaso ukubeka isikela ezinhlangeni zamabele woqala ukubala amasonto ayisikhombisa.
[10]Uyakugcina umkhosi wamasonto kuJehova uNkulunkulu wakho ngesipho somnikelo wesihle wesandla sakho, oyakusinika njengokubusisa kukaJehova uNkulunkulu wakho,
[11]wename phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nomLevi ophakathi kwamasango akho, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi abaphakathi kwakho endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo.

[12]Wokhumbula ukuthi wawuyisigqila eGibithe, ugcine, uzenze lezi zimiso.

[13] Wogcina umkhosi wamadokodo izinsuku eziyisikhombisa emva kokuba usubuthile okwesibuya sakho nokwesikhamo sakho sewayini,
[14]wename ngomkhosi wakho, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nomLevi, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi abaphakathi kwamasango akho.
[15]Izinsuku eziyisikhombisa uyakumgcinela uJehova uNkulunkulu wakho umkhosi endaweni uJehova

de abençoar-te em toda a tua colheita e em toda obra das tuas mãos, pelo que de todo te alegrarás.

ayakuyikhetha, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa kuzo zonke izithelo zakho nasemsebenzini wonke wezandla zakho, uthokoze kakhulu.

[16] Três vezes no ano, todo varão entre ti aparecerá perante o SENHOR, teu Deus, no lugar que escolher, na Festa dos Pães Asmos, e na Festa das Semanas, e na Festa dos Tabernáculos; porém não aparecerá de mãos vazias perante o SENHOR;

[16] Kathathu ngomnyaka bonke abesilisa bakho bayakubonakala phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho endaweni ayakuyikhetha: ngomkhosi wesinkwa esingenamvubelo, nangomkhosi wamasonto, nangomkhosi wamadokodo; bangabonakali phambi kukaJehova bengenalutho;

[17] cada um oferecerá na proporção em que possa dar, segundo a bênção que o SENHOR, seu Deus, lhe houver concedido.

[17]yilowo nalowo uyakunika njengamandla akhe, ngokwesibusiso uJehova uNkulunkulu wakho akunike sona.

Deveres dos juízes

Êxodo 23.6-9

Abahluleli

[18] Juízes e oficiais constituirás em todas as tuas cidades que o SENHOR, teu Deus, te der entre as tuas tribos, para que julguem o povo com reto juízo.

[18] Uyakuzikhethela abahluleli nezinduna emasangweni akho onke uJehova uNkulunkulu wakho akunika wona njengezizwe zakho; bayakwahlulela abantu babo ngokwahlulela okulungileyo.

[19] Não torcerás a justiça, não farás acepção de pessoas, nem tomarás suborno; porquanto o suborno cega os olhos dos sábios e subverte a causa dos justos.

[19]Awuyikuphendukezela isahlulelo, ungakhethi ubuso bamuntu, ungafunjathiswa isipho, ngokuba isipho siphuphuthekisa amehlo ohlakaniphileyo, siphendukezela amazwi olungileyo.

[20] A justiça seguirás, somente a justiça, para que vivas e possuas em herança a terra que te dá o SENHOR, teu Deus.

[20]Uyakulandela ukulunga okuyikho ukuba uphile, ulidle izwe uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

O-Ashera nezinsika

[21] Não estabelecerás poste-ídolo, plantando qualquer árvore junto ao altar do SENHOR, teu Deus, que fizeres para ti.

[21] Ungazitshaleli u-Ashera womuthi noma owaluphi uhlobo ngaseceleni kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wakho oyakuzenzela lona.

[22] Nem levantarás coluna, a qual o SENHOR, teu Deus, odeia.

Deuteronômio 17

O castigo da idolatria

[1] Não sacrificarás ao SENHOR, teu Deus, novilho ou ovelha em que haja imperfeição ou algum defeito grave; pois é abominação ao SENHOR, teu Deus.

[2] Quando no meio de ti, em alguma das tuas cidades que te dá o SENHOR, teu Deus, se achar algum homem ou mulher que proceda mal aos olhos do SENHOR, teu Deus, transgredindo a sua aliança,

[3] que vá, e sirva a outros deuses, e os adore, ou ao sol, ou à lua, ou a todo o exército do céu, o que eu não ordenei;

[4] e te seja denunciado, e o ouvires; então, indagarás bem; e eis que, sendo verdade e certo que se fez tal abominação em Israel,

[5] então, levarás o homem ou a mulher que fez este malefício às tuas portas e os apedrejarás, até que morram.

[6] Por depoimento de duas ou três testemunhas, será morto o que houver de morrer; por depoimento de uma só testemunha, não morrerá.

[7] A mão das testemunhas será a primeira contra ele, para matá-lo; e, depois, a mão

[22]Ungazimiseli nansika uJehova uNkulunkulu wakho ayizondayo.

UDuteronomi 17

Isijeziso sokukhonza onkulunkulu bamanga

[1] Ungahlabeli uJehova uNkulunkulu wakho inkomo, noma imvu enesici, enokubi okuthile, ngokuba kuyisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho.

[2] Uma kutholakala phakathi kwakho, ngaphakathi kwelithile lamasango akho uJehova uNkulunkulu wakho akunika wona, owesilisa noma owesifazane owenza okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho ngokweqa isivumelwano sakhe,

[3]wahamba, wakhonza abanye onkulunkulu, wakhuleka kubo, noma ilanga, noma inyanga, noma ibandla lezulu, engingayalanga ngakho,

[4]besewubikelwa khona, ukuzwe, wokubuzisisa; bheka, uma kuqinisile, leyo nto iqinisekile yokuthi isinengiso esinjalo senziwe kwa-Israyeli,

[5] uyakukhiphela lowo wesilisa noma lowo wesifazane owenze leyo nto embi emasangweni akho, lowo wesilisa noma lowo wesifazane umkhande ngamatshe ukuba afe.

[6]Ngomlomo wawofakazi ababili noma ngowawofakazi abathathu uyakubulawa lowo ofanele ukufa; ngomlomo wofakazi munye akayikubulawa.

[7] Isandla sawofakazi siyakuba ngesokuqala kuye ukumbulala, ngasemuva izandla zabantu bonke.

de todo o povo; assim, eliminarás o mal do meio de ti.

Julgamento de questões difíceis

[8] Quando alguma coisa te for difícil demais em juízo, entre caso e caso de homicídio, e de demanda e demanda, e de violência e violência, e outras questões de litígio, então, te levantarás e subirás ao lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher.

[9] Virás aos levitas sacerdotes e ao juiz que houver naqueles dias; inquirirás, e te anunciarão a sentença do juízo.

[10] E farás segundo o mandado da palavra que te anunciarem do lugar que o SENHOR escolher; e terás cuidado de fazer consoante tudo o que te ensinarem.

[11] Segundo o mandado da lei que te ensinarem e de acordo com o juízo que te disserem, farás; da sentença que te anunciarem não te desviarás, nem para a direita nem para a esquerda.

[12] O homem, pois, que se houver soberbamente, não dando ouvidos ao sacerdote, que está ali para servir ao SENHOR, teu Deus, nem ao juiz, esse morrerá; e eliminarás o mal de Israel,

[13] para que todo o povo o ouça, tema e jamais se ensoberbeça.

A eleição e os deveres de um rei

[14] Quando entrares na terra que te dá o SENHOR, teu Deus, e a possuíres, e nela habitares, e disseres: Estabelecerei sobre mim um rei, como todas as nações que se acham em redor de mim,

Kanjalo uyakukhipha ububi phakathi kwakho.

Imithetho yabahluleli neyamakhosi

[8] Uma kuvela indaba ekwahlulayo, ekwahluleleni phakathi kwegazi negazi, naphakathi kwecala necala, naphakathi kokushaya nokushaya, kuyizindaba zokuphikisana phakathi kwamasango akho, wosuka, uye endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha,

[9] uye kubapristi bamaLevi, nakumahluleli oyakuba khona ngalezo zinsuku, ukuze bakutshele isinqumo sokwahlulela,

[10] wenze njengezwi lesinqumo abayakukwazisa lona kuleyo ndawo ayakuyikhetha uJehova, uqaphele ukwenza njengakho konke abakufundisa khona;

[8] Então, os anciãos da sua cidade devem chamá-lo e falar-lhe; e, se ele persistir e disser: Não quero tomá-la,

[9] então, sua cunhada se chegará a ele na presença dos anciãos, e lhe descalçará a sandália do pé, e lhe cuspirá no rosto, e protestará, e dirá: Assim se fará ao homem que não quer edificar a casa de seu irmão;

[10] e o nome de sua casa se chamará em Israel: A casa do descalçado.

[11] Quando brigarem dois homens, um contra o outro, e a mulher de um chegar para livrar o marido da mão do que o fere, e ela estender a mão, e o pegar pelas suas vergonhas,

[12] cortar-lhe-ás a mão; não a olharás com piedade.

Pesos e medidas justos

[13] Na tua bolsa, não terás pesos diversos, um grande e um pequeno.

[14] Na tua casa, não terás duas sortes de efa, um grande e um pequeno.

[15] Terás peso integral e justo, efa integral e justo; para que se prolonguem os teus

[7] Uma umuntu engathandi ukumthatha umkamfowabo, umkamfowabo uyakukhuphukela kumalunga esangweni, athi: Umfowabo wendoda yami uyala ukuvusela umfowabo igama kwa-Israyeli; akathandi ukungingena.

[8]Amalunga omuzi wakhe ayakumbiza, akhulume naye; uma emi eqinisa ngokuthi: Angithandi ukumthatha,

[9]umkamfowabo uyakufika kuye phambi kwamalunga, akhumule isicathulo onyaweni lwakhe, amkhafulele ebusweni bakhe, aphendule athi: Kuyakwenziwa kanjalo kumuntu ongayakhi indlu yomfowabo.

[10]Igama lakhe liyakuthiwa kwa-Israyeli Indlu yosicathulo sakhe sikhunyuliwe .

[11] Nxa amadoda amabili elwa, umfazi wenye abesesondela ukuyophula indoda yakhe esandleni saleyo eyishayayo, aselule isandla sakhe, ayibambe ngomphambili,

[12]womnquma isandla, iso lakho lingabi namhawu.

Izisindo nezilinganiso ezilungileyo

[13] Makungabikho esikhwameni sakho izisindo ezahlukeneyo, esikhulu nesincane.

[14]Makungabikho endlini yakho izilinganiso ezahlukeneyo, esikhulu nesincane.

[15]Woba nesisindo esipheleleyo nesilungileyo, futhi ube nesilinganiso esipheleleyo nesilungileyo ukuba izinsuku

dias na terra que te dá o SENHOR, teu Deus.

16 Porque é abominação ao SENHOR, teu Deus, todo aquele que pratica tal injustiça.

Amaleque será destruído

17 Lembra-te do que te fez Amaleque no caminho, quando saías do Egito;

18 como te veio ao encontro no caminho e te atacou na retaguarda todos os desfalecidos que iam após ti, quando estavas abatido e afadigado; e não temeu a Deus.

19 Quando, pois, o SENHOR, teu Deus, te houver dado sossego de todos os teus inimigos em redor, na terra que o SENHOR, teu Deus, te dá por herança, para a possuíres, apagarás a memória de Amaleque de debaixo do céu; não te esqueças.

Deuteronômio 26

As primícias da terra

1 Ao entrares na terra que o SENHOR, teu Deus, te dá por herança, ao possuí-la e nela habitares,

2 tomarás das primícias de todos os frutos do solo que recolheres da terra que te dá o SENHOR, teu Deus, e as porás num cesto, e irás ao lugar que o SENHOR, teu Deus, escolher para ali fazer habitar o seu nome.

3 Virás ao que, naqueles dias, for sacerdote e lhe dirás: Hoje, declaro ao SENHOR, teu Deus, que entrei na terra que o SENHOR,

zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

16 Ngokuba bonke abenza kanjalo, bonke abenza ukungalungi, bayisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho.

Icala lama-Amaleki

17 Khumbula akwenzayo kuwe u-Amaleki endleleni ekuphumeni kwenu eGibithe

18ukuthi wakuhlangabeza endleleni, washaya abasemva kwakho, bonke ababebuthakathaka emva kwakho, lapho usukhathele, uphelile amandla; kamesabanga uJehova.

19 Kuyakuthi lapho uJehova uNkulunkulu wakho esekuphumuzile kuzo zonke izitha zakho nxazonke ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho ukuba ulidle, wesule inkumbulo ka-Amaleki phansi kwezulu; awuyikukhohlwa lokho.

UDuteronomi 26

Ulibo

1 Kuyakuthi lapho usufikile ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho ukuba ulidle, wakhe kulo,

2 uthathe ulibo lwezithelo zonke zomhlaba olubuthayo ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, ulufake eqomeni, uye endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo.

3Uyakuya kumpristi oyakuba khona ngalezo zinsuku, uthi kuye: Ngiyabika namuhla kuJehova uNkulunkulu wakho

sob juramento, prometeu dar a nossos pais.

[4] O sacerdote tomará o cesto da tua mão e o porá diante do altar do SENHOR, teu Deus.

[5] Então, testificarás perante o SENHOR, teu Deus, e dirás: Arameu prestes a perecer foi meu pai, e desceu para o Egito, e ali viveu como estrangeiro com pouca gente; e ali veio a ser nação grande, forte e numerosa.

[6] Mas os egípcios nos maltrataram, e afligiram, e nos impuseram dura servidão.

[7] Clamamos ao SENHOR, Deus de nossos pais; e o SENHOR ouviu a nossa voz e atentou para a nossa angústia, para o nosso trabalho e para a nossa opressão;

[8] e o SENHOR nos tirou do Egito com poderosa mão, e com braço estendido, e com grande espanto, e com sinais, e com milagres;

[9] e nos trouxe a este lugar e nos deu esta terra, terra que mana leite e mel.

[10] Eis que, agora, trago as primícias dos frutos da terra que tu, ó SENHOR, me deste. Então, as porás perante o SENHOR, teu Deus, e te prostrarás perante ele.

[11] Alegrar-te-ás por todo o bem que o SENHOR, teu Deus, te tem dado a ti e a tua casa, tu, e o levita, e o estrangeiro que está no meio de ti.

Os dízimos

ukuthi sengifikile ezweni uJehova alifungela obaba ukusinika lona.

[4]Umpristi uyakuthatha iqoma esandleni sakho, alibeke phansi phambi kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wakho.

[5] Wena uyakuphendula, uthi phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho: Ubaba wayengumAramu ozulayo, wehlela eGibithe, wagogobala khona nabantu abayingcosana; waba yisizwe khona, esikhulu, nesinamandla, nesiningi;

[6]abaseGibithe basiphatha kabi, basihlupha, basithwesa ubugqili obulukhuni;

[7] sase sikhala kuJehova uNkulunkulu wawobaba, uJehova walizwa izwi lethu, wabona ukuhlupheka kwethu, nomshikashika wethu, nokucindezelwa kwethu;

[8]uJehova wasikhipha eGibithe ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo, nangezenzo ezesabekayo nezinkulu, nangezibonakaliso, nangezimangaliso,

[9]wasiletha kule ndawo, wasinika leli zwe, izwe elivame ubisi nezinyosi.

[10]Manje-ke, bheka, sengilethile ulibo lwezithelo zomhlaba onginike wona wena Jehova; bese wukubeka phansi phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, ukhuleke phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho,

[11]wename ngakho konke okuhle uJehova uNkulunkulu wakho akunikile khona wena nendlu yakho, wena nomLevi, nomfokazi ophakathi kwakho.

Okweshumi

[12] Quando acabares de separar todos os dízimos da tua messe no ano terceiro, que é o dos dízimos, então, os darás ao levita, ao estrangeiro, ao órfão e à viúva, para que comam dentro das tuas cidades e se fartem.
[13] Dirás perante o SENHOR, teu Deus: Tirei de minha casa o que é consagrado e dei também ao levita, e ao estrangeiro, e ao órfão, e à viúva, segundo todos os teus mandamentos que me tens ordenado; nada transgredi dos teus mandamentos, nem deles me esqueci.
[14] Dos dízimos não comi no meu luto e deles nada tirei estando imundo, nem deles dei para a casa de algum morto; obedeci à voz do SENHOR, meu Deus; segundo tudo o que me ordenaste, tenho feito.

[15] Olha desde a tua santa habitação, desde o céu, e abençoa o teu povo, a Israel, e a terra que nos deste, como juraste a nossos pais, terra que mana leite e mel.

Exortação à obediência

[16] Hoje, o SENHOR, teu Deus, te manda cumprir estes estatutos e juízos; guarda-os, pois, e cumpre-os de todo o teu coração e de toda a tua alma.
[17] Hoje, fizeste o SENHOR declarar que te será por Deus, e que andarás nos seus caminhos, e guardarás os seus estatutos, e os seus mandamentos, e os seus juízos, e darás ouvidos à sua voz.
[18] E o SENHOR, hoje, te fez dizer que lhe serás por povo seu próprio, como te disse,

[12] Lapho uqedile ukuthatha okweshumi kwezithelo zakho ngomnyaka wesithathu ongumnyaka wokweshumi, usumnike uLevi khona, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi ukuba badle phakathi kwamasango akho, basuthe,
[13]uyakuthi phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho: Ngikhiphile izinto ezingcwele endlini yami, ngamnika zona uLevi, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi njengayo yonke imiyalo ongiyale ngayo; angiweqanga nowodwa wemiyalo yakho, futhi angiyikhohlwanga.
[14]Angikudlanga ekulileni kwami, angisusanga lutho ngingcolile, anginikelanga ngakho kofileyo; ngilalele izwi likaJehova uNkulunkulu wami, ngenzile njengakho konke ongiyale ngakho.
[15] Bheka phansi usezindlini zakho ezingcwele ezulwini, ubusise abantu bakho u-Israyeli nomhlaba osinike wona njengokufunga kwakho kobaba, izwe elivame ubisi nezinyosi.

[16] Namuhla uJehova uNkulunkulu wakho uyakuyala ukwenza lezi zimiso nezahlulelo; ngalokho wozigcina, uzenze ngayo yonke inhliziyo yakho.
[17]Umqinisele namuhla uJehova ukuthi uyakuba nguNkulunkulu wakho, uhambe ezindleleni zakhe, ugcine izimiso zakhe, nemiyalo yakhe, nezahlulelo zakhe, nililalele izwi lakhe;
[18] uJehova ukuqinisele namuhla ukuthi uyakuba yisizwe senzuzo yakhe

e que guardarás todos os seus mandamentos.

[19] Para, assim, te exaltar em louvor, renome e glória sobre todas as nações que fez e para que sejas povo santo ao SENHOR, teu Deus, como tem dito.

njengokukwethembisa kwakhe, ugcine yonke imiyalo yakhe,

[19] ukuze akuphakamise phezu kwazo zonke izizwe azenzileyo ngokubongwa, nangegama, nangodumo, ube yisizwe esingcwele kuJehova uNkulunkulu wakho njengokusho kwakhe.

Deuteronômio 27

O Terceiro Discurso de Moisés
Solene promulgação da lei

[1] Moisés e os anciãos de Israel deram ordem ao povo, dizendo: Guarda todos estes mandamentos que, hoje, te ordeno.

[2] No dia em que passares o Jordão à terra que te der o SENHOR, teu Deus, levantar-te-ás pedras grandes e as caiarás.

[3] Havendo-o passado, escreverás, nelas, todas as palavras desta lei, para entrares na terra que te dá o SENHOR, teu Deus, terra que mana leite e mel, como te prometeu o SENHOR, Deus de teus pais.

[4] Quando houveres passado o Jordão, levantarás estas pedras, que hoje te ordeno, no monte Ebal, e as caiarás.

[5] Ali, edificarás um altar ao SENHOR, teu Deus, altar de pedras, sobre as quais não manejarás instrumento de ferro.

[6] De pedras toscas edificarás o altar do SENHOR, teu Deus; e sobre ele lhe oferecerás holocaustos.

UDuteronomi 27

Izibhebhe zamatshe zomthetho

[1]UMose namalunga akwa-Israyeli bayala abantu, bathi: Gcinani yonke imiyalo esiniyala ngayo namuhla.

[2]Kuyakuthi mhla niwela iJordani ukuya ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, uzimisele amatshe amakhulu, uwanameke ngodaka,

[3]ulobe kuwo amazwi onke alo mthetho, nxa usuwelile ukuba ungene ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, izwe elivame ubisi nezinyosi njengokukwethembisa kukaJehova uNkulunkulu wawoyihlo.

[4]Kuyakuthi lapho seniliwelile iJordani, nimise lawa matshe enginiyala ngawo namuhla entabeni yase-Ebali, uwanameke ngodaka.

[5] Uyakumakhela khona uJehova uNkulunkulu wakho i-altare, i-altare lamatshe, ungawaphakamiseli into yensimbi.

[6]Uyakwakha i-altare likaJehova uNkulunkulu wakho ngamatshe apheleleyo, unikele kulo ngeminikelo

yokushiswa kuJehova uNkulunkulu wakho,

[7] Também sacrificarás ofertas pacíficas; ali, comerás e te alegrarás perante o SENHOR, teu Deus.

[7]uhlabe iminikelo yokuthula, udle khona, wename phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho.

[8] Nestas pedras, escreverás, mui distintamente, as palavras todas desta lei.

[8]Uyakuloba ematsheni onke amazwi alo mthetho, uwaqophisise kahle.

[9] Falou mais Moisés, juntamente com os sacerdotes levitas, a todo o Israel, dizendo: Guarda silêncio e ouve, ó Israel! Hoje, vieste a ser povo do SENHOR, teu Deus.

[9] UMose nabapristi bamaLevi bakhuluma kuwo wonke u-Israyeli, bathi: Thula, ulalele, Israyeli: namuhla sewuyisizwe sikaJehova uNkulunkulu wakho.

[10] Portanto, obedecerás à voz do SENHOR, teu Deus, e lhe cumprirás os mandamentos e os estatutos que hoje te ordeno.

[10]Ngalokho wolilalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, wenze imiyalo yakhe nezimiso zakhe engikuyala ngakho namuhla.

Maldições do monte Ebal

[11] Moisés deu ordem, naquele dia, ao povo, dizendo:

[12] Quando houveres passado o Jordão, estarão sobre o monte Gerizim, para abençoarem o povo, estes: Simeão, Levi, Judá, Issacar, José e Benjamim.

[13] E estes, para amaldiçoar, estarão sobre o monte Ebal: Rúben, Gade, Aser, Zebulom, Dã e Naftali.

[14] Os levitas testificarão a todo o povo de Israel em alta voz e dirão:

[15] Maldito o homem que fizer imagem de escultura ou de fundição, abominável ao SENHOR, obra de artífice, e a puser em lugar oculto. E todo o povo responderá: Amém!

[16] Maldito aquele que desprezar a seu pai ou a sua mãe. E todo o povo dirá: Amém!

Izibusiso neziqalekiso zabakwa-Israyeli

[11]UMose wayala abantu ngalona lolo suku, wathi:

[12] Laba bayakuma entabeni yaseGerizimu ukubusisa abantu, lapho seniwelile iJordani: oSimeyoni, noLevi, noJuda, no-Isakare, noJosefa, noBenjamini;

[13]laba bayakuma entabeni yase-Ebali babe ngabokuqalekisa: oRubeni, noGadi, no-Asheri, noZebuloni, noDani, noNafetali.

[14] AmaLevi ayakuphendula, athi kuwo onke amadoda akwa-Israyeli ngezwi elikhulu:

[15] Makaqalekiswe umuntu owenza isithombe ezibaziweyo nesibunjiweyo, isinengiso kuJehova, umsebenzi wezandla zengcweti, asimise ngasese. Bonke abantu bayakuphendula bathi: Amen.

[16] Makaqalekiswe odelela uyise noma unina. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[17] Maldito aquele que mudar os marcos do seu próximo. E todo o povo dirá: Amém!

[18] Maldito aquele que fizer o cego errar o caminho. E todo o povo dirá: Amém!

[19] Maldito aquele que perverter o direito do estrangeiro, do órfão e da viúva. E todo o povo dirá: Amém!

[20] Maldito aquele que se deitar com a madrasta, porquanto profanaria o leito de seu pai. E todo o povo dirá: Amém!

[21] Maldito aquele que se ajuntar com animal. E todo o povo dirá: Amém!

[22] Maldito aquele que se deitar com sua irmã, filha de seu pai ou filha de sua mãe. E todo o povo dirá: Amém!

[23] Maldito aquele que se deitar com sua sogra. E todo o povo dirá: Amém!

[24] Maldito aquele que ferir o seu próximo em oculto. E todo o povo dirá: Amém!

[25] Maldito aquele que aceitar suborno para matar pessoa inocente. E todo o povo dirá: Amém!

[26] Maldito aquele que não confirmar as palavras desta lei, não as cumprindo. E todo o povo dirá: Amém!

Deuteronômio 28

As bênçãos decorrentes da obediência

Levítico 26.3-13; Deuteronômio 7.12-26

[17] Makaqalekiswe osusa isikhonkwane somakhelwane wakhe. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[18] Makaqalekiswe ophundula impumputhe endleleni. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[19] Makaqalekiswe ophendukezela isahlulelo somfokazi, nesentandane, nesomfelokazi. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[20] Makaqalekiswe olala nomkayise, ngokuba wambulile umphetho wengubo kayise. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[21] Makaqalekiswe olala nesilwane. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[22] Makaqalekiswe olala nodadewabo, indodakazi kayise noma indodakazi kanina. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[23] Makaqalekiswe olala nomkhwekazi. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[24] Makaqalekiswe obulala umakhelwane wakhe ngasese. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[25] Makaqalekiswe owamukela umvuzo ukuba abulale ongenacala, achithe igazi lakhe. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

[26] Makaqalekiswe ongawaqinisi amazwi alo mthetho ukuba awenze. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

UDuteronomi 28

Izibusiso neziqalekiso

[1] Se atentamente ouvires a voz do SENHOR, teu Deus, tendo cuidado de guardar todos os seus mandamentos que hoje te ordeno, o SENHOR, teu Deus, te exaltará sobre todas as nações da terra.

[2] Se ouvires a voz do SENHOR, teu Deus, virão sobre ti e te alcançarão todas estas bênçãos:

[3] Bendito serás tu na cidade e bendito serás no campo.

[4] Bendito o fruto do teu ventre, e o fruto da tua terra, e o fruto dos teus animais, e as crias das tuas vacas e das tuas ovelhas.

[5] Bendito o teu cesto e a tua amassadeira.

[6] Bendito serás ao entrares e bendito, ao saíres.

[7] O SENHOR fará que sejam derrotados na tua presença os inimigos que se levantarem contra ti; por um caminho, sairão contra ti, mas, por sete caminhos, fugirão da tua presença.

[8] O SENHOR determinará que a bênção esteja nos teus celeiros e em tudo o que colocares a mão; e te abençoará na terra que te dá o SENHOR, teu Deus.

[9] O SENHOR te constituirá para si em povo santo, como te tem jurado, quando guardares os mandamentos do SENHOR, teu Deus, e andares nos seus caminhos.

[1] Kuyakuthi uma ulalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, uqaphele ukuyenza yonke imiyalo yakhe engikuyala ngayo namuhla, uJehova uNkulunkulu wakho akuphakamise phezu kwazo zonke izizwe zomhlaba.

[2]Zonke lezi zibusiso ziyakufika phezu kwakho, zikufice, uma ulilalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho.

[3] Uyakubusiswa emzini, ubusiswe nasensimini.

[4] Iyakubusiswa inzalo yesisu sakho, nezithelo zomhlaba wakho, nenzalo yezilwane zakho, nesanda sezinkomo zakho, namazinyane ezimvu zakho.

[5] Kuyakubusiswa iqoma lakho, nomkhombe wakho wokuxova isinkwa.

[6] Uyakubusiswa ekungeneni kwakho, ubusiswe nasekuphumeni kwakho.

[7] UJehova uyakwenza ukuba izitha zakho ezikuvukelayo zibulawe phambi kwakho; ziyakukuhlasela ngandlelanye, zikubalekele ngezindlela eziyisikhombisa.

[8] UJehova uyakuyala isibusiso sibe phezu kwakho ezinqolobaneni zakho nakukho konke obeka kukho isandla sakho, akubusise ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

[9] UJehova uyakukumisa ube yisizwe esingcwele kuye njengokufunga kwakhe kuwe, uma uyigcina imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ezindleleni zakhe.

[10] E todos os povos da terra verão que és chamado pelo nome do SENHOR e terão medo de ti.

[11] O SENHOR te dará abundância de bens no fruto do teu ventre, no fruto dos teus animais e no fruto do teu solo, na terra que o SENHOR, sob juramento a teus pais, prometeu dar-te.

[12] O SENHOR te abrirá o seu bom tesouro, o céu, para dar chuva à tua terra no seu tempo e para abençoar toda obra das tuas mãos; emprestarás a muitas gentes, porém tu não tomarás emprestado.

[13] O SENHOR te porá por cabeça e não por cauda; e só estarás em cima e não debaixo, se obedeceres aos mandamentos do SENHOR, teu Deus, que hoje te ordeno, para os guardar e cumprir.

[14] Não te desviarás de todas as palavras que hoje te ordeno, nem para a direita nem para a esquerda, seguindo outros deuses, para os servires.

Os castigos da desobediência

Levítico 26.14-46

[15] Será, porém, que, se não deres ouvidos à voz do SENHOR, teu Deus, não cuidando em cumprir todos os seus mandamentos e os seus estatutos que, hoje, te ordeno, então, virão todas estas maldições sobre ti e te alcançarão:

[16] Maldito serás tu na cidade e maldito serás no campo.

[10]Bonke abantu bomhlaba bayakubona ukuthi ubiziwe ngegama likaJehova, bakwesabe.

[11] UJehova uyakukwandisela okuhle: inzalo yesisu sakho, nenzalo yezinkomo zakho, nezithelo zomhlabathi wakho ezweni uJehova alifungela oyihlo ukukunika lona.

[12] UJehova uyakukuvulela indlu yakhe yengcebo, izulu, anise imvula yezwe lakho ngesikhathi sayo, abusise wonke umsebenzi wesandla sakho; uyakutsheleka izizwe eziningi, kepha ungatsheleki lutho kuzo.

[13]UJehova uyakukwenza ube yinhloko, ungabi ngumsila; woba phezulu kuphela, ungabi ngaphansi, uma uyilalela imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho engikuyala ngayo namuhla ukuba uyigcine, uyenze,

[14]nalapho ungaphambuki nakulo elilodwa lamazwi engikuyala ngawo namuhla ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo ukulandela abanye onkulunkulu ukuba ubakhonze.

[15] Kuyakuthi uma ungalilaleli izwi likaJehova uNkulunkulu wakho ukuba uqaphele ukwenza yonke imiyalo yakhe nezimiso zakhe engikuyala ngakho namuhla, zonke lezi ziqalekiso zikwehlele, zikufice.

[16] Uyakuqalekiswa emzini, uqalekiswe nasensimini.

[17] Maldito o teu cesto e a tua amassadeira.

[18] Maldito o fruto do teu ventre, e o fruto da tua terra, e as crias das tuas vacas e das tuas ovelhas.

[19] Maldito serás ao entrares e maldito, ao saíres.

[20] O SENHOR mandará sobre ti a maldição, a confusão e a ameaça em tudo quanto empreenderes, até que sejas destruído e repentinamente pereças, por causa da maldade das tuas obras, com que me abandonaste.

[21] O SENHOR fará que a pestilência te pegue a ti, até que te consuma a terra a que passas para possuí-la.

[22] O SENHOR te ferirá com a tísica, e a febre, e a inflamação, e com o calor ardente, e a secura, e com o crestamento, e a ferrugem; e isto te perseguirá até que pereças.

[23] Os teus céus sobre a tua cabeça serão de bronze; e a terra debaixo de ti será de ferro.

[24] Por chuva da tua terra, o SENHOR te dará pó e cinza; dos céus, descerá sobre ti, até que sejas destruído.

[25] O SENHOR te fará cair diante dos teus inimigos; por um caminho, sairás contra eles, e, por sete caminhos, fugirás diante

[17] Iqoma lakho liyakuqalekiswa, kuqalekiswe nomkhombe wakho wokuxova isinkwa.

[18] Inzalo yesisu sakho iyakuqalekiswa, nezithelo zomhlabathi wakho, nesanda sezinkomo zakho, namazinyane ezimvu zakho.

[19] Uyakuqalekiswa ekungeneni kwakho, uqalekiswe nasekuphumeni kwakho.

[20] UJehova uyakukwehlisela isiqalekiso, nokuphaphatheka, nokusolwa, kukho konke obeka isandla sakho kukho ukuba ukwenze, uze uchithwe, ubhubhe ngokushesha ngenxa yobubi bezenzo zakho ongidelele ngazo.

[21]UJehova uyakunamathelisa kuwe isifo, aze akuqede ezweni ongena kulo ukulidla.

[22] UJehova uyakukushaya ngesifuba, nangomkhuhlane, nangesivuvushisa somzimba, nangokushisa okukhulu, nangenkemba, nangokuhamuka, nangesikhutha; kuyakukuxosha uze uphele.

[23] Izulu lakho eliphezu kwakho liyakuba yithusi, umhlaba ophansi kwakho ube yinsimbi.

[24]UJehova uyakwenza imvula yezwe lakho ibe ngumsizi nothuli; kuyakwehla ezulwini, kufike phezu kwakho, uze ubhujiswe.

[25] UJehova uyakwenza ukuba ubulawe phambi kwezitha zakho, uzihlasele ngandlelanye, uzibalekele ngezindlela

deles, e serás motivo de horror para todos os reinos da terra.

[26] O teu cadáver servirá de pasto a todas as aves dos céus e aos animais da terra; e ninguém haverá que os espante.

[27] O SENHOR te ferirá com as úlceras do Egito, com tumores, com sarna e com prurido de que não possas curar-te.

[28] O SENHOR te ferirá com loucura, com cegueira e com perturbação do espírito.

[29] Apalparás ao meio-dia, como o cego apalpa nas trevas, e não prosperarás nos teus caminhos; porém somente serás oprimido e roubado todos os teus dias; e ninguém haverá que te salve.

[30] Desposar-te-ás com uma mulher, porém outro homem dormirá com ela; edificarás casa, porém não morarás nela; plantarás vinha, porém não a desfrutarás.

[31] O teu boi será morto aos teus olhos, porém dele não comerás; o teu jumento será roubado diante de ti e não voltará a ti; as tuas ovelhas serão dadas aos teus inimigos; e ninguém haverá que te salve.

[32] Teus filhos e tuas filhas serão dados a outro povo; os teus olhos o verão e desfalecerão de saudades todo o dia; porém a tua mão nada poderá fazer.

[33] O fruto da tua terra e todo o teu trabalho, comê-los-á um povo que nunca conheceste; e tu serás oprimido e quebrantado todos os dias;

eziyisikhombisa phambi kwazo, ube yingebhe emibusweni yonke yomhlaba.

[26]Isidumbu sakho siyakuba ngukudla kwezinyoni zonke zezulu nokwezilwane zomhlaba; akuyikubakho ozihebezayo.

[27] UJehova uyakukushaya ngamathumba aseGibithe, nangamaqhubu, nangomuna, nangokhwekhwe ongenakuphulukiswa kukho.

[28] UJehova uyakukushaya ngobuhlanya, nangobumpumputhe, nangokugcwaneka,

[29]uphumputhe emini njengempumputhe iphumputha ebumnyameni; awuyikuphumelela ezindleleni zakho, uyakucindezelwa kuphela, uphangwe; akuyikubakho muntu wokukusindisa.

[30] Uyakuganwa ngumfazi, omunye umuntu alale naye; uyakwakha indlu, ungahlali kuyo; uyakutshala isivini, ungazikhi izithelo zaso.

[31]Inkabi yakho iyakuhlatshwa emehlweni akho, ungayidli; imbongolo yakho iyakuhlwithwa ebusweni bakho, ingabuyiselwa kuwe; izimvu zakho ziyakunikwa izitha zakho, kungabikho okusindisayo.

[32]Amadodana akho namadodakazi akho ayakunikwa ezinye izizwe, amehlo akho abheke, aphele ngokuwalangazelela lonke usuku, kungabikho lutho emandleni esandla sakho.

[33] Izithelo zomhlabathi wakho nayo yonke imisebenzi yakho kuyakudliwa yisizwe ongasaziyo, wena ucindezelwe kuphela, uchotshozwe

[34] e te enlouquecerás pelo que vires com os teus olhos.

[35] O SENHOR te ferirá com úlceras malignas nos joelhos e nas pernas, das quais não te possas curar, desde a planta do pé até ao alto da cabeça.

[36] O SENHOR te levará e o teu rei que tiveres constituído sobre ti a uma gente que não conheceste, nem tu, nem teus pais; e ali servirás a outros deuses, feitos de madeira e de pedra.

[37] Virás a ser pasmo, provérbio e motejo entre todos os povos a que o SENHOR te levará.

[38] Lançarás muita semente ao campo; porém colherás pouco, porque o gafanhoto a consumirá.

[39] Plantarás e cultivarás muitas vinhas, porém do seu vinho não beberás, nem colherás as uvas, porque o verme as devorará.

[40] Em todos os teus limites terás oliveiras; porém não te ungirás com azeite, porque as tuas azeitonas cairão.

[41] Gerarás filhos e filhas, porém não ficarão contigo, porque serão levados ao cativeiro.

[42] Todo o teu arvoredo e o fruto da tua terra o gafanhoto os consumirá.

[43] O estrangeiro que está no meio de ti se elevará mais e mais, e tu mais e mais descerás.

[34]ukuba ugcwaneke ngokubonwa ngamehlo akho oyakukubona.

[35]UJehova uyakukushaya emadolweni akho nasemilenzeni ngamathumba amabi ongenakuphulukiswa kuwo, kusukela ematheni onyawo lwakho kuze kufike okhakhayini lwakho.

[36] UJehova uyakuyisa wena nenkosi oyibeke phezu kwakho kuso isizwe ongasazi, wena nawoyihlo, ukhonze lapho abanye onkulunkulu, imithi namatshe.

[37] Uyakuba yisimangaliso, nesaga, nesifenqo phakathi kwezizwe zonke lapho uJehova eyakukuyisa khona.

[38] Uyakuphuma nembewu eningi, uye ensimini, ubuthe okuyingcosana, ngokuba kuyakudliwa yisikhonyane.

[39]Uyakutshala izivini, uzisebenze, kepha awuyikuliphuza iwayini, ungabuthi izithelo zomvini, ngokuba umswenya uyakuzidla.

[40]Uyakuba neminqumo phakathi kwemikhawulo yakho yonke, ungazigcobi nokho ngamafutha, ngokuba izithelo zeminqumo yakho ziyakuvuthuluka.

[41]Uyakuzala amadodana namadodakazi, kepha awayikuba ngawakho, ngokuba ayakuthunjwa.

[42]Yonke imithi yakho nezithelo zomhlabathi wakho kuyakudliwa yisikhonyane.

[43] Umfokazi ophakathi kwakho uyakuphakama phezu kwakho njalonjalo, wena wehle njalonjalo.

[44] Ele te emprestará a ti, porém tu não lhe emprestarás a ele; ele será por cabeça, e tu serás por cauda.

[45] Todas estas maldições virão sobre ti, e te perseguirão, e te alcançarão, até que sejas destruído, porquanto não ouviste a voz do SENHOR, teu Deus, para guardares os mandamentos e os estatutos que te ordenou.

[46] Serão, no teu meio, por sinal e por maravilha, como também entre a tua descendência, para sempre.

[47] Porquanto não serviste ao SENHOR, teu Deus, com alegria e bondade de coração, não obstante a abundância de tudo.

[48] Assim, com fome, com sede, com nudez e com falta de tudo, servirás aos inimigos que o SENHOR enviará contra ti; sobre o teu pescoço porá um jugo de ferro, até que te haja destruído.

[49] O SENHOR levantará contra ti uma nação de longe, da extremidade da terra virá, como o vôo impetuoso da águia, nação cuja língua não entenderás;

[50] nação feroz de rosto, que não respeitará ao velho, nem se apiedará do moço.

[51] Ela comerá o fruto dos teus animais e o fruto da tua terra, até que sejas destruído; e não te deixará cereal, mosto, nem azeite, nem as crias das tuas vacas e das tuas ovelhas, até que te haja consumido.

[44]Uyakukutsheleka wena, awuyikumtsheleka yena; yena uyakuba yinhloko, wena ube ngumsila.

[45] Zonke lezi ziqalekiso ziyakukwehlela, zikuxoshe, zikufice, uze ubhujiswe, ngokuba awulilalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wakho ukuba ugcine imiyalo yakhe nezimiso zakhe abekuyala ngakho,

[46]zibe phezu kwakho isibonakaliso nesimangaliso, naphezu kwenzalo yakho kuze kube phakade.

[47]Lokhu ungamkhonzanga uJehova uNkulunkulu wakho ngokujabula nangokwenama kwenhliziyo ngenxa yobuningi bezinto,

[48]uyakuzikhonza izitha zakho uJehova ayakuzithuma kuwe ngokulamba, nangokoma, nangobunqunu, nangokuswela izinto zonke, abeke ijoka lensimbi entanyeni yakho, aze akubhubhise.

[49] UJehova uyakukuthumela isizwe esivela kude ekugcineni komhlaba njengokundiza kokhozi, isizwe ongayikuqonda ulimi lwaso,

[50] isizwe esinobuso obujamayo, esingayikunakekela ubuso bomdala, singabi namusa komusha.

[51]Siyakuyidla inzalo yezinkomo zakho, nezithelo zomhlabathi wakho, uze ubhujiswe, singakushiyeli amabele, noma iwayini, noma amafutha, noma isanda sezinkomo zakho, noma amazinyane ezimvu zakho, aze akuqede.

[52] Sitiar-te-á em todas as tuas cidades, até que venham a cair, em toda a tua terra, os altos e fortes muros em que confiavas; e te sitiará em todas as tuas cidades, em toda a terra que o SENHOR, teu Deus, te deu.

[53] Comerás o fruto do teu ventre, a carne de teus filhos e de tuas filhas, que te der o SENHOR, teu Deus, na angústia e no aperto com que os teus inimigos te apertarão.

[54] O mais mimoso dos homens e o mais delicado do teu meio será mesquinho para com seu irmão, e para com a mulher do seu amor, e para com os demais de seus filhos que ainda lhe restarem;

[55] de sorte que não dará a nenhum deles da carne de seus filhos, que ele comer; porquanto nada lhe ficou de resto na angústia e no aperto com que o teu inimigo te apertará em todas as tuas cidades.

[56] A mais mimosa das mulheres e a mais delicada do teu meio, que de mimo e delicadeza não tentaria pôr a planta do pé sobre a terra, será mesquinha para com o marido de seu amor, e para com seu filho, e para com sua filha;

[57] mesquinha da placenta que lhe saiu dentre os pés e dos filhos que tiver, porque os comerá às escondidas pela falta de tudo, na angústia e no aperto com que o teu inimigo te apertará nas tuas cidades.

[52]Siyakukuvimbezela kuwo onke amasango akho, zize ziwe izingange zakho owazethembayo ezweni lakho lonke, sikuvimbezele kuwo onke amasango akho ezweni lakho lonke uJehova uNkulunkulu wakho akunike lona.

[53] Uyakudla inzalo yesakho isisu, inyama yamadodana akho neyamadodakazi akho uJehova uNkulunkulu wakho akunike wona ekuvinjezelweni nasekuxinekeni izitha zakho eziyakukuxina ngakho.

[54]Umuntu othambileyo notetemayo phakathi kwenu, iso lakhe liyakuba libi kumfowabo, nakumkakhe osesifubeni sakhe, nakuyo insali yabantwana bakhe abaseleyo,

[55]ukuba angabaniki inyama yabantwana bakhe abadlayo ngokuba engasalelwanga lutho olunye ekuvinjezelweni nasekuxinekeni eziyakukuxina ngakho izitha zakho kuwo onke amasango akho.

[56]Owesifazane othambileyo notetemayo phakathi kwenu obengenasibindi sokubeka amathe onyawo lwakhe emhlabathini ngenxa yokutetema nokuthambeka, iso lakhe liyakuba libi endodeni esesifubeni sakhe, nasendodaneni yakhe, nasendodakazini yakhe,

[57]nakumzanyama wakhe ophuma phakathi kwezinyawo zakhe, nakubantwana bakhe ayakubazala, ngokuba uyakubadla ngasese ekusweleni kwakhe ekuvinjezelweni nasekuxinekeni

eziyakukuxina ngakho izitha zakho kuwo onke amasango akho.

[58] Se não tiveres cuidado de guardar todas as palavras desta lei, escritas neste livro, para temeres este nome glorioso e terrível, o SENHOR, teu Deus,

[58] Uma ungaqapheli ukuwenza onke amazwi alo mthetho alotshiwe kule ncwadi ukuba ulesabe igama lakhe elidumisekayo nelesabekayo elithi UJEHOVA UNKULUNKULU WAKHO,

[59] então, o SENHOR fará terríveis as tuas pragas e as pragas de tua descendência, grandes e duradouras pragas, e enfermidades graves e duradouras;

[59]uJehova uyakwenza izifo zakho ukuba zimangalise, kanye nezifo zenzalo yakho, izifo ezinkulu ezihlala isikhathi eside nokugula okubi okuhlala isikhathi eside.

[60] fará voltar contra ti todas as moléstias do Egito, que temeste; e se apegarão a ti.

[60]Uyakubuyisela phezu kwakho zonke izifo zaseGibithe owazesabayo, zinamathele kuwe.

[61] Também o SENHOR fará vir sobre ti toda enfermidade e toda praga que não estão escritas no livro desta Lei, até que sejas destruído.

[61]Konke ukugula nazo zonke izifo okungalotshiwe encwadini yalo mthetho, lokho uJehova uyakukukhweza phezu kwakho, uze ubhujiswe.

[62] Ficareis poucos em número, vós que éreis como as estrelas dos céus em multidão, porque não destes ouvidos à voz do SENHOR, vosso Deus.

[62] Niyakushiywa nibe yingcosana, ingani naningangezinkanyezi zezulu ngobuningi, ngokuba awulilalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wakho.

[63] Assim como o SENHOR se alegrava em vós outros, em fazer-vos bem e multiplicar-vos, da mesma sorte o SENHOR se alegrará em vos fazer perecer e vos destruir; sereis desarraigados da terra à qual passais para possuí-la.

[63] Kuyakuthi njengalokho uJehova wayejabula ngani ukunenzela okuhle nokunandisa, kanjalo uJehova ajabule ngani ukwenza ukuba nibhubhe, niqothulwe, nisishulwe ezweni eningena kulo ukulidla.

[64] O SENHOR vos espalhará entre todos os povos, de uma até à outra extremidade da terra. Servirás ali a outros deuses que não conheceste, nem tu, nem teus pais; servirás à madeira e à pedra.

[64] UJehova uyakukuhlakazela phakathi kwabantu bonke, kusukela kolunye uhlangothi lomhlaba kuze kufike kolunye uhlangothi lomhlaba, ukhonze lapho abanye onkulunkulu ongabaziyo, wena nawoyihlo, imithi namatshe.

[65] Nem ainda entre estas nações descansarás, nem a planta de teu pé terá repouso, porquanto o SENHOR ali te dará coração tremente, olhos mortiços e desmaio de alma.

[66] A tua vida estará suspensa como por um fio diante de ti; terás pavor de noite e de dia e não crerás na tua vida.

[67] Pela manhã dirás: Ah! Quem me dera ver a noite! E, à noitinha, dirás: Ah! Quem me dera ver a manhã! Isso pelo pavor que sentirás no coração e pelo espetáculo que terás diante dos olhos.

[68] O SENHOR te fará voltar ao Egito em navios, pelo caminho de que te disse: Nunca jamais o verás; sereis ali oferecidos para venda como escravos e escravas aos vossos inimigos, mas não haverá quem vos compre.

Deuteronômio 29

O Quarto Discurso de Moisés
Deus faz nova aliança com o povo

[1] São estas as palavras da aliança que o SENHOR ordenou a Moisés fizesse com os filhos de Israel na terra de Moabe, além da aliança que fizera com eles em Horebe.

[2] Chamou Moisés a todo o Israel e disse-lhe: Tendes visto tudo quanto o SENHOR fez na terra do Egito, perante vós, a Faraó, e a todos os seus servos, e a toda a sua terra;

[65]Phakathi kwalezo zizwe awuyikuthola ukuthula, kungabikho kuphumula ematheni onyawo lwakho, kepha uJehova uyakukunika khona inhliziyo eqhaqhazelayo, nokuphela kwamehlo, nokudangala komphefumulo,

[66]ukuphila kwakho kujikiswa phambi kwakho, wesabe ubusuku nemini, ungabe usaba nethemba ngokuphila kwakho;

[67]ekuseni uyakuthi: Sengathi ngabe kukusihlwa, nakusihlwa uyakuthi: Sengathi ngabe kusekuseni, ngenxa yengebhe yenhliziyo yakho oyakuba nayo nagenxa yokubonwa ngamehlo akho oyakukubona.

[68] UJehova uyakukubuyisela eGibithe ngemikhumbi ngendlela engasho ngayo kuwe ukuthi: Awusayikuyibona futhi. Lapho niyakuzithengisa ezitheni zenu nibe yizigqila nezigqilakazi, ningathengwa muntu kodwa.

UDuteronomi 29

Inkulumo kaMose yokuyala

[1] Nanka amazwi esivumelwano uJehova amyala ngaso uMose ukuba asenze nabantwana bakwa-Israyeli ezweni lakwaMowabi ngaphandle kwesivumelwano asenza nabo eHorebe.

[2] UMose wabiza bonke abakwa-Israyeli, wathi kubo: Nibonile konke uJehova akwenzayo phambi kwamehlo enu ezweni laseGibithe kuFaro, nakuzo zonke izinceku zakhe, nakulo lonke izwe lakhe:

[3] as grandes provas que os vossos olhos viram, os sinais e grandes maravilhas;

[4] porém o SENHOR não vos deu coração para entender, nem olhos para ver, nem ouvidos para ouvir, até ao dia de hoje.

[5] Quarenta anos vos conduzi pelo deserto; não envelheceram sobre vós as vossas vestes, nem se gastou no vosso pé a sandália.

[6] Pão não comestes e não bebestes vinho nem bebida forte, para que soubésseis que eu sou o SENHOR, vosso Deus.

[7] Quando viestes a este lugar, Seom, rei de Hesbom, e Ogue, rei de Basã, nos saíram ao encontro, à peleja, e nós os ferimos;

[8] tomamos-lhes a terra e a demos por herança aos rubenitas, e aos gaditas, e à meia tribo dos manassitas.

[9] Guardai, pois, as palavras desta aliança e cumpri-as, para que prospereis em tudo quanto fizerdes.

[10] Vós estais, hoje, todos perante o SENHOR, vosso Deus: os cabeças de vossas tribos, vossos anciãos e os vossos oficiais, todos os homens de Israel,

[11] os vossos meninos, as vossas mulheres e o estrangeiro que está no meio do vosso arraial, desde o vosso rachador de lenha até ao vosso tirador de água,

[12] para que entres na aliança do SENHOR, teu Deus, e no juramento que, hoje, o SENHOR, teu Deus, faz contigo;

[3] izinhlupheko ezinkulu azibonayo amehlo akho, nezibonakaliso, nezimangaliso lezo ezinkulu;

[4] kepha uJehova akaninikanga inhliziyo yokwazi, namehlo okubona, nezindlebe zokuzwa kuze kube namuhla.

[5] Nganihola iminyaka engamashumi amane ehlane; izingubo zenu aziguganga kini, nesicathulo asiguganga onyaweni lwenu.

[6]Anidlanga isinkwa, aniphuzanga iwayini noma uphuzo olunamandla, ukuze nazi ukuthi ngingu Jehova uNkulunkulu wenu.

[7] Ekufikeni kwenu kule ndawo uSihoni inkosi yaseHeshiboni no-Ogi inkosi yaseBashani basiphumela ukulwa, sabanqoba,

[8] sathatha izwe lakubo, salinika laba yifa labakwaRubeni, nelabakwaGadi, nelenxenye yesizwe sabakwaManase.

[9] Ngalokho gcinani amazwi alesi sivumelwano, niwenze ukuba niphumelele kukho konke enikwenzayo.

[10] Nimi namuhla nonke phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu: izinhloko zenu, nezizwe zenu, namalunga enu, nezinduna zenu, bonke abantu bakwa-Israyeli,

[11]nezingane zenu, nawomkenu, nomfokazi ophakathi kwamakamu akho, kusukela kumgawuli wemithi kuze kufike kumukhi wamanzi,

[12]ukuba ungene esivumelwaneni sikaJehova uNkulunkulu wakho,

nasesifungweni sakhe asenzayo nawe namuhla uJehova uNkulunkulu wakho,

[13] para que, hoje, te estabeleça por seu povo, e ele te seja por Deus, como te tem prometido, como jurou a teus pais, Abraão, Isaque e Jacó.

[13] ukuze azimisele wena namuhla ube yisizwe sakhe, yena abe nguNkulunkulu wakho, njengalokho akhuluma kuwe, nanjengalokho afunga koyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

[14] Não é somente convosco que faço esta aliança e este juramento,

[14]Akenzi lesi sivumelwano nalesi sifungo nani nodwa,

[15] porém com aquele que, hoje, aqui, está conosco perante o SENHOR, nosso Deus, e também com aquele que não está aqui, hoje, conosco.

[15]kepha nanomiyo nathi lapha namuhla phambi kukaJehova uNkulunkulu wethu, nanongekho nathi namuhla

[16] Porque vós sabeis como habitamos na terra do Egito e como passamos pelo meio das nações pelas quais viestes a passar;

[16]ngokuba nina niyazi ukuthi sahlala ezweni laseGibithe nokuthi sadlula phakathi kwezizwe enadabula kuzo,

[17] vistes as suas abominações e os seus ídolos, feitos de madeira e de pedra, bem como vistes a prata e o ouro que havia entre elas;

[17]nizibonile izinengiso zazo, nezithombe zazo, imithi, namatshe, nesiliva, negolide, okwakuphakathi kwazo

[18] para que, entre vós, não haja homem, nem mulher, nem família, nem tribo cujo coração, hoje, se desvie do SENHOR, nosso Deus, e vá servir aos deuses destas nações; para que não haja entre vós raiz que produza erva venenosa e amarga,

[18] funa kube khona phakathi kwenu indoda, noma umfazi, noma umndeni, noma isizwe esinhliziyo yaso ifulathela namuhla uJehova uNkulunkulu wethu ukuyokhonza onkulunkulu balezo zizwe, kube phakathi kwenu impande ethela inhlungunyembe nomhlonyane;

[19] ninguém que, ouvindo as palavras desta maldição, se abençoe no seu íntimo, dizendo: Terei paz, ainda que ande na perversidade do meu coração, para acrescentar à sede a bebedice.

[19]kuze kuthi, lapho ezwa amazwi alesi sifungo, azibusise enhliziyweni yakhe ngokuthi: Ngiyakuba nokuthula, noma ngihamba ngenkani yenhliziyo yami, ukuze kuqedwe okuswakemeyo kanye nokomileyo,

[20] O SENHOR não lhe quererá perdoar; antes, fumegará a ira do SENHOR e o seu

[20] uJehova angamthetheleli, kepha intukuthelo kaJehova nomhawu wakhe

zelo sobre tal homem, e toda maldição escrita neste livro jazerá sobre ele; e o SENHOR lhe apagará o nome de debaixo do céu.

[21] O SENHOR o separará de todas as tribos de Israel para calamidade, segundo todas as maldições da aliança escrita neste Livro da Lei.

[22] Então, dirá a geração vindoura, os vossos filhos, que se levantarem depois de vós, e o estrangeiro que virá de terras longínquas, vendo as pragas desta terra e as suas doenças, com que o SENHOR a terá afligido,

[23] e toda a sua terra abrasada com enxofre e sal, de sorte que não será semeada, e nada produzirá, nem crescerá nela erva alguma, assim como foi a destruição de Sodoma e de Gomorra, de Admá e de Zeboim, que o SENHOR destruiu na sua ira e no seu furor,

[24] isto é, todas as nações dirão: Por que fez o SENHOR assim com esta terra? Qual foi a causa do furor de tamanha ira?

[25] Então, se dirá: Porque desprezaram a aliança que o SENHOR, Deus de seus pais, fez com eles, quando os tirou do Egito;

[26] e se foram, e serviram a outros deuses, e os adoraram; deuses que não conheceram e que ele não lhes havia designado.

kumvuthele lowo muntu, kuze kuthi zonke iziqalekiso ezilotshwe kule ncwadi zibe phezu kwakhe, uJehova alesule igama lakhe phansi kwezulu.

[21]UJehova uyakumahlukanisela ububi kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli njengeziqalekiso zonke zesivumelwano ezilotshwe kule ncwadi yomthetho.

[22] Isizukulwane esizayo, abantwana benu abayakuvela emva kwenu, nomfokazi oyakuphuma ezweni elikude bayakusho, lapho bebona izinhlupheko zaleso sizwe, nezifo uJehova aligulise ngazo,

[23] nezwe lonke langakhona ukuthi lishisiwe, liyisibabule nosawoti, lingenakutshalwa, lingenakho okumilayo, lingenambali ekhahlelayo, linjengokuchithwa kweSodoma neGomora neSeboyimi achithwa nguJehova ngentukuthelo yakhe nangolaka lwakhe;

[24] yebo, bonke abantu bayakuthi: UJehova wenzeleni kanje kuleli zwe na? Kuthini ukuvutha kwalolu laka olukhulu na?

[25] Bese kuthiwa: Ngokuba basishiya isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wawoyise asenzayo nabo ekubakhipheni kwakhe ezweni laseGibithe,

[26]baya bakhonza abanye onkulunkulu, bakhuleka kubo, onkulunkulu abangabaziyo, angabahlukaniselanga bona,

[27] Pelo que a ira do SENHOR se acendeu contra esta terra, trazendo sobre ela toda a maldição que está escrita neste livro.
[28] O SENHOR os arrancou, com ira, de sua terra, mas também com indignação e grande furor, e os lançou para outra terra, como hoje se vê.

[29] As coisas encobertas pertencem ao SENHOR, nosso Deus, porém as reveladas nos pertencem, a nós e a nossos filhos, para sempre, para que cumpramos todas as palavras desta lei.

[27]ngalokho intukuthelo kaJehova yavuthela leli zwe ukuba alehlisele zonke iziqalekiso ezilotshwe kule ncwadi;
[28]uJehova wabasiphula ezweni lakubo ngolaka nangokufutheka nangentukuthelo enkulu, wabaphonsa kwelinye izwe njenganamuhla.
[29] Izimfihlakalo zingezikaJehova uNkulunkulu wethu, kepha okwambuliweyo kungokwethu nokwabantwana bethu kuze kube phakade ukuba siwenze onke amazwi alo mthetho.

Deuteronômio 30

Promessas de misericórdia

[1] Quando, pois, todas estas coisas vierem sobre ti, a bênção e a maldição que pus diante de ti, se te recordares delas entre todas as nações para onde te lançar o SENHOR, teu Deus;

[2] e tornares ao SENHOR, teu Deus, tu e teus filhos, de todo o teu coração e de toda a tua alma, e deres ouvidos à sua voz, segundo tudo o que hoje te ordeno,

[3] então, o SENHOR, teu Deus, mudará a tua sorte, e se compadecerá de ti, e te ajuntará, de novo, de todos os povos entre os quais te havia espalhado o SENHOR, teu Deus.

[4] Ainda que os teus desterrados estejam para a extremidade dos céus, desde aí te

UDuteronomi 30

Sisaqhubeka isiyalezo sikaMose

[1] Kuyakuthi lapho zonke lezi zinto sezikwehlele, isibusiso nesiqalekiso, engizibekile phambi kwakho, uzindle ngazo enhliziyweni yakho phakathi kwezizwe lapho uJehova uNkulunkulu wakho ekuxoshele khona,
[2]ubuyele kuJehova uNkulunkulu wakho, ulilalele izwi lakhe njengakho konke engikuyala ngakho namuhla, wena nabantwana bakho, ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke umphefumulo wakho,
[3]khona uJehova uNkulunkulu wakho uyakubuyisa ukuthunjwa kwakho, akuhawukele, abuye akubuthe ezizweni zonke, lapho uJehova uNkulunkulu wakho ekuhlakazele khona.
[4]Uma ekhona oxoshelwe nasekugcineni kwezulu, uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubutha khona, akulande khona,

ajuntará o SENHOR, teu Deus, e te tomará de lá.

5 O SENHOR, teu Deus, te introduzirá na terra que teus pais possuíram, e a possuirás; e te fará bem e te multiplicará mais do que a teus pais.

6 O SENHOR, teu Deus, circuncidará o teu coração e o coração de tua descendência, para amares o SENHOR, teu Deus, de todo o coração e de toda a tua alma, para que vivas.

7 O SENHOR, teu Deus, porá todas estas maldições sobre os teus inimigos e sobre os teus aborrecedores, que te perseguiram.

8 De novo, pois, darás ouvidos à voz do SENHOR; cumprirás todos os seus mandamentos que hoje te ordeno.

9 O SENHOR, teu Deus, te dará abundância em toda obra das tuas mãos, no fruto do teu ventre, no fruto dos teus animais e no fruto da tua terra e te beneficiará; porquanto o SENHOR tornará a exultar em ti, para te fazer bem, como exultou em teus pais;

10 se deres ouvidos à voz do SENHOR, teu Deus, guardando os seus mandamentos e os seus estatutos, escritos neste Livro da Lei, se te converteres ao SENHOR, teu Deus, de todo o teu coração e de toda a tua alma.

5uJehova uNkulunkulu wakho akungenise ezweni oyihlo abalidlayo, ulidle; uyakukwenzela okuhle, akwandise ngaphezu kwawoyihlo.

6 UJehova uNkulunkulu wakho uyakusoka inhliziyo yakho nenhliziyo yenzalo yakho ukumthanda uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke umphefumulo wakho ukuba uphile.

7UJehova uNkulunkulu wakho uyakuzibeka zonke lezi ziqalekiso phezu kwezitha zakho naphezu kwabakuzondayo ababekuzingela.

8Uyakubuya, ulilalele izwi likaJehova, uyenze yonke imiyalo yakhe engikuyala ngayo namuhla.

9 UJehova uNkulunkulu wakho uyakukwandisa emisebenzini yonke yesandla sakho, nasenzalweni yesisu sakho, nasenzalweni yezinkomo zakho, nasezithelweni zomhlabathi wakho, kube kuhle, ngokuba uJehova uyakubuye athokoze ngawe ukuba kube kuhle njengokuthokoza kwakhe ngawoyihlo,

10uma ulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, ugcine imiyalo yakhe nezimiso zakhe ezilotshwe kule ncwadi yomthetho, uma ubuyela kuJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke umphefumulo wakho.

[11] Porque este mandamento que, hoje, te ordeno não é demasiado difícil, nem está longe de ti.

[12] Não está nos céus, para dizeres: Quem subirá por nós aos céus, que no-lo traga e no-lo faça ouvir, para que o cumpramos?

[13] Nem está além do mar, para dizeres: Quem passará por nós além do mar que no-lo traga e no-lo faça ouvir, para que o cumpramos?

[14] Pois esta palavra está mui perto de ti, na tua boca e no teu coração, para a cumprires.

A vida ou a morte

[15] Vê que proponho, hoje, a vida e o bem, a morte e o mal;

[16] se guardares o mandamento que hoje te ordeno, que ames o SENHOR, teu Deus, andes nos seus caminhos, e guardes os seus mandamentos, e os seus estatutos, e os seus juízos, então, viverás e te multiplicarás, e o SENHOR, teu Deus, te abençoará na terra à qual passas para possuí-la.

[17] Porém, se o teu coração se desviar, e não quiseres dar ouvidos, e fores seduzido, e te inclinares a outros deuses, e os servires,

[18] então, hoje, te declaro que, certamente, perecerás; não permanecerás longo tempo na terra à qual vais, passando o Jordão, para a possuíres.

[19] Os céus e a terra tomo, hoje, por testemunhas contra ti, que te propus a vida e a morte, a bênção e a maldição;

[11] Ngokuba lo myalo engikuyala ngawo namuhla awulukhuni kuwe, awukude.

[12] Awusezulwini ukuba uthi: Ngubani oyakusikhuphukelela ezulwini, asilethele wona, siwuzwe, siwenze, na?

[13]Futhi awuphesheya kolwandle ukuba uthi: Ngubani oyakusiwelela ulwandle, asilethele wona, siwuzwe, siwenze, na?

[14]Cha, izwi liseduze kakhulu nawe, lisemlonyeni wakho nasenhliziyweni yakho ukuba ulenze.

[15] Bheka, ngibeke namuhla phambi kwakho ukuphila nokuhle, ukufa nokubi,

[16]ngokukuyala namuhla ukuba umthande uJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ngezindlela zakhe, ugcine imiyalo yakhe, nezimiso zakhe, nezahlulelo zakhe, ukuze uphile, wande, uJehova uNkulunkulu wakho akubusise ezweni ongena kulo ukulidla.

[17] Kepha uma inhliziyo yakho iphenduka ukuze ungezwa, kepha uyengwe, ukhuleke kwabanye onkulunkulu, ubakhonze,

[18]ngiyanimemezela namuhla ukuthi niyakubhubha nokubhubha; aniyikuzandisa izinsuku zenu ezweni eniwela iJordani ukuba ningene kulo ukulidla.

[19] Ngifakazisa namuhla izulu nomhlaba ngani ukuthi ngibeke phambi kwenu ukuphila nokufa, isibusiso nesiqalekiso;

escolhe, pois, a vida, para que vivas, tu e a tua descendência,

[20] amando o SENHOR, teu Deus, dando ouvidos à sua voz e apegando-te a ele; pois disto depende a tua vida e a tua longevidade; para que habites na terra que o SENHOR, sob juramento, prometeu dar a teus pais, Abraão, Isaque e Jacó.

Deuteronômio 31

As Últimas Disposições

Josué, sucessor de Moisés

[1] Passou Moisés a falar estas palavras a todo o Israel

[2] e disse-lhes: Sou, hoje, da idade de cento e vinte anos. Já não posso sair e entrar, e o SENHOR me disse: Não passarás o Jordão.

[3] O SENHOR, teu Deus, passará adiante de ti; ele destruirá estas nações de diante de ti, e tu as possuirás; Josué passará adiante de ti, como o SENHOR tem dito.

[4] O SENHOR lhes fará como fez a Seom e a Ogue, reis dos amorreus, os quais destruiu, bem como a sua terra.

[5] Quando, pois, o SENHOR vos entregar estes povos diante de vós, então, com eles fareis segundo todo o mandamento que vos tenho ordenado.

[6] Sede fortes e corajosos, não temais, nem vos atemorizeis diante deles, porque o SENHOR, vosso Deus, é quem vai

ngalokho khethani ukuphila ukuba niphile, wena nenzalo yakho,

14Kwathi lapho abantu besuka ematendeni abo ukuba bawele iJordani, abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano bephambi kwabantu,

15 e, quando os que levavam a arca chegaram até ao Jordão, e os seus pés se molharam na borda das águas (porque o Jordão transbordava sobre todas as suas ribanceiras, todos os dias da sega),

15 nalapho abathwala umphongolo sebefikile eJordani, izinyawo zabapristi abathwala umphongolo zicwilile onqenqemeni lwamanzi aseJordani eligcwele phezu kwalo lonke ugu lwalo izinsuku zonke zokuvuna,

16 pararam-se as águas que vinham de cima; levantaram-se num montão, mui longe da cidade de Adã, que fica ao lado de Sartã; e as que desciam ao mar da Arabá, que é o mar Salgado, foram de todo cortadas; então, passou o povo defronte de Jericó.

16 ayesema amanzi avela ngenhla, afukuka aba nqwabanye kude kakhulu ngase-Adamu, umuzi oseceleni kweSaretani; lawo ewuka eya ngaseLwandle lwase-Araba, uLwandle Lukasawoti, anqamuka impela; abantu base bewela maqondana neJeriko.

17 Porém os sacerdotes que levavam a arca da Aliança do SENHOR pararam firmes no

17Abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova bema baqina

meio do Jordão, e todo o Israel passou a pé enxuto, atravessando o Jordão.

emhlabathini owomileyo ngaphakathi neJordani, abantu bonke bawela emhlabathini owomileyo, saze sawela iJordani isizwe sonke saphelela.

Josué 4

As doze pedras tiradas do meio do Jordão

1 Tendo, pois, todo o povo passado o Jordão, falou o SENHOR a Josué, dizendo:

2 Tomai do povo doze homens, um de cada tribo,

3 e ordenai-lhes, dizendo: Daqui do meio do Jordão, do lugar onde, parados, pousaram os sacerdotes os pés, tomai doze pedras; e levai-as convosco e depositai-as no alojamento em que haveis de passar esta noite.

4 Chamou, pois, Josué os doze homens que escolhera dos filhos de Israel,

5 um de cada tribo, e disse-lhes: Passai adiante da arca do SENHOR, vosso Deus, ao meio do Jordão; e cada um levante sobre o ombro uma pedra, segundo o número das tribos dos filhos de Israel,

6 para que isto seja por sinal entre vós; e, quando vossos filhos, no futuro, perguntarem, dizendo: Que vos significam estas pedras?,

7 então, lhes direis que as águas do Jordão foram cortadas diante da arca da Aliança do SENHOR; em passando ela, foram as águas do Jordão cortadas. Estas pedras

UJoshuwa 4

Amatshe ezikhumbuzo eGiligali naseJordani

1Kwathi lapho isizwe sonke sesiwele iJordani saphelela, uJehova wakhuluma kuJoshuwa, wathi:

2 Zithatheleni amadoda ayishumi nambili, indoda ibenye ngesizwe,

3niwayale nithi: Zikhipheleni lapha phakathi kweJordani, endaweni lapho izinyawo zabapristi zazimi khona ziqinile, amatshe ayishumi nambili, niwele nawo, niwabeke endaweni eniyakulala kuyo ebusuku.

4UJoshuwa wayesebiza lawo madoda ayishumi nambili ayewakhethile kubantwana bakwa-Israyeli, indoda inye ngesizwe.

5UJoshuwa wathi kuwo: Welani phambi komphongolo kaJehova uNkulunkulu wenu, niye phakathi kweJordani, netshathe, kube yilowo nalowo itshe ehlombe lakhe njengokomumo wezizwe zabantwana bakwa-Israyeli

6 ukuba lokho kube yisikhumbuzo phakathi kwenu, kuze kuthi lapho abantwana benu bebuza ngesikhathi esizayo, bethi: Ayini lawa matshe kini na?

7anothi kubo: Kungokuba amanzi aseJordani enqamuka phambi komphongolo wesivumelwano sikaJehova; ekuweleni kwawo iJordani

serão, para sempre, por memorial aos filhos de Israel.

amanzi aseJordani anqamuka; lawa matshe ayakuba yisikhumbuzo kubantwana bakwa-Israyeli kuze kube phakade.

[8] Fizeram, pois, os filhos de Israel como Josué ordenara, e levantaram doze pedras do meio do Jordão, como o SENHOR tinha dito a Josué, segundo o número das tribos dos filhos de Israel, e levaram-nas consigo ao alojamento, e as depositaram ali.

[8]Abantwana bakwa-Israyeli benza-ke njengalokho uJoshuwa ebayalile, bakhipha amatshe ayishumi nambili phakathi kweJordani, njengalokho uJehova ekhulumile kuJoshuwa, njengokomumo wezizwe zabantwana bakwa-Israyeli; bawela nawo, baya endaweni yokulala, bawabeka khona.

[9] Levantou Josué também doze pedras no meio do Jordão, no lugar em que, parados, pousaram os pés os sacerdotes que levavam a arca da Aliança; e ali estão até ao dia de hoje.

[9]UJoshuwa wamisa amatshe ayishumi nambili phakathi neJordani, endaweni lapho izinyawo zabapristi abathwala umphongolo zazimi khona; akhona kuze kube namuhla.

[10] Porque os sacerdotes que levavam a arca haviam parado no meio do Jordão, em pé, até que se cumpriu tudo quanto o SENHOR, por intermédio de Moisés, ordenara a Josué falasse ao povo; e o povo se apressou e passou.

[10]Abapristi abathwala umphongolo babemi phakathi neJordani, kwaze kwaphelela konke uJehova amyale ngakho uJoshuwa ukuba akukhulume kubantu njengakho konke uMose abemyale ngakho uJoshuwa; abantu bashesha bawela.

[11] Tendo passado todo o povo, então, passou a arca do SENHOR, e os sacerdotes, à vista de todo o povo.

[11]Kwathi lapho bonke abantu sebewelile baphelela, umphongolo kaJehova wawela kanye nabapristi emehlweni abantu.

[12] Passaram os filhos de Rúben, e os filhos de Gade, e a meia tribo de Manassés, armados, na frente dos filhos de Israel, como Moisés lhes tinha dito;

[12]Abantwana bakwaRubeni, nabantwana bakwaGadi, nenxenye yesizwe sakwaManase bawela behlomile phambi kwabantwana bakwa-Israyeli, njengalokho uMose ebekhulumile kubo;

[13] uns quarenta mil homens de guerra armados passaram diante do SENHOR para a batalha, às campinas de Jericó.

[13]kwawela phambi kukaJehova kungathi abayizinkulungwane ezingamashumi

amane behlomele ukulwa ukuba baphume impi, baye emathafeni aseJeriko.

[14] Naquele dia, o SENHOR engrandeceu a Josué na presença de todo o Israel; e respeitaram-no todos os dias da sua vida, como haviam respeitado a Moisés.

[14] Ngalolo suku uJehova wamkhulisa uJoshuwa emehlweni abo bonke abakwa-Israyeli; bamesaba njengalokho babemesaba uMose izinsuku zonke zokuhamba kwakhe.

[15] Disse, pois, o SENHOR a Josué:

[15]UJehova wakhuluma kuJoshuwa, wathi:

[16] Dá ordem aos sacerdotes que levam a arca do Testemunho que subam do Jordão.

[16] Yala abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano ukuba benyuke eJordani.

[17] Então, ordenou Josué aos sacerdotes, dizendo: Subi do Jordão.

[17]UJoshuwa wayala-ke abapristi, wathi: Yenyukani eJordani.

[18] Ao subirem do meio do Jordão os sacerdotes que levavam a arca da Aliança do SENHOR, e assim que as plantas dos seus pés se puseram na terra seca, as águas do Jordão se tornaram ao seu lugar e corriam, como dantes, sobre todas as suas ribanceiras.

[18] Kwathi lapho abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova sebenyuke phakathi kweJordani, amathe ezinyawo zabapristi esefike emhlabathini owomileyo, amanzi aseJordani abuyela endaweni yawo, aphuphuma lonke ugu njengakuqala.

[19] Subiu, pois, do Jordão o povo no dia dez do primeiro mês; e acamparam-se em Gilgal, do lado oriental de Jericó.

[19]Abantu benyuka eJordani ngolweshumi lwenyanga yokuqala, bamisa eGiligali emkhawulweni wangasempumalanga kwaseJeriko.

[20] As doze pedras que tiraram do Jordão, levantou-as Josué em coluna em Gilgal.

[20]Lawo matshe ayishumi nambili abawakhipha eJordani wawamisa eGiligali.

[21] E disse aos filhos de Israel: Quando, no futuro, vossos filhos perguntarem a seus pais, dizendo: Que significam estas pedras?,

[21]Wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli, wathi: Nxa abantwana benu beyakubuza oyise ngesikhathi esizayo, bethi: Ayini lawa matshe na?

[22] fareis saber a vossos filhos, dizendo: Israel passou em seco este Jordão.

[22]anobazisa abantwana benu, nithi: U-Israyeli wawela leli Jordani emhlabathini owomileyo,

[23] Porque o SENHOR, vosso Deus, fez secar as águas do Jordão diante de vós, até que passásseis, como o SENHOR, vosso Deus, fez ao mar Vermelho, ao qual secou perante nós, até que passamos.

[24] Para que todos os povos da terra conheçam que a mão do SENHOR é forte, a fim de que temais ao SENHOR, vosso Deus, todos os dias.

[23] ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu wawamisa amanzi aseJordani phambi kwenu, naze nawela, njengalokho uJehova uNkulunkulu wenu wenza eLwandle Olubomvu, alomisa phambi kwethu, saze sawela,

[24]ukuba abantu bonke bomhlaba bazi isandla sikaJehova ukuthi sinamandla, nesabe uJehova uNkulunkulu wenu kuze kube phakade.

Josué 5

A circuncisão dos filhos de Israel

[1] Sucedeu que, ouvindo todos os reis dos amorreus que habitavam deste lado do Jordão, ao ocidente, e todos os reis dos cananeus que estavam ao pé do mar que o SENHOR tinha secado as águas do Jordão, de diante dos filhos de Israel, até que passamos, desmaiou-se-lhes o coração, e não houve mais alento neles, por causa dos filhos de Israel.

[2] Naquele tempo, disse o SENHOR a Josué: Faze facas de pederneira e passa, de novo, a circuncidar os filhos de Israel.

[3] Então, Josué fez para si facas de pederneira e circuncidou os filhos de Israel em Gibeate-Haralote.

[4] Foi esta a razão por que Josué os circuncidou: todo o povo que tinha saído do Egito, os homens, todos os homens de guerra, eram já mortos no deserto, pelo caminho.

UJoshuwa 5

Abantwana bakwa-Israyeli

[1] Kwathi onke amakhosi ama-Amori ayengaphesheya kweJordani ngasentshonalanga, nawo onke amakhosi amaKhanani ayengaselwandle esezwa ukuthi uJehova womise amanzi aseJordani phambi kwabantwana bakwa-Israyeli saze sawela, izinhliziyo zabo zaphela amandla, kungabe kusaba khona sibindi ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli.

[2] Ngaleso sikhathi uJehova wathi kuJoshuwa: Zenzele omese bensengetsha, ubuye usoke abantwana bakwa-Israyeli ngokwesibili.

[3]UJoshuwa wazenzela omese bensengetsha, wabasika abantwana bakwa-Israyeli eDulini Lamajwabu.

[4]Nasi isizathu uJoshuwa abasoka ngaso: bonke abantu abaphuma eGibithe ababengabesilisa, onke amadoda empi, bafa ehlane ngasendleleni, sebephumile eGibithe.

[5] Porque todo o povo que saíra estava circuncidado, mas a nem um deles que nascera no deserto, pelo caminho, depois de terem saído do Egito, haviam circuncidado.

[6] Porque quarenta anos andaram os filhos de Israel pelo deserto, até se acabar toda a gente dos homens de guerra que saíram do Egito, que não obedeceram à voz do SENHOR, aos quais o SENHOR tinha jurado que lhes não havia de deixar ver a terra que o SENHOR, sob juramento, prometeu dar a seus pais, terra que mana leite e mel.

[7] Porém em seu lugar pôs a seus filhos; a estes Josué circuncidou, porquanto estavam incircuncisos, porque os não circuncidaram no caminho.

[8] Tendo sido circuncidada toda a nação, ficaram no seu lugar no arraial, até que sararam.

[9] Disse mais o SENHOR a Josué: Hoje, removi de vós o opróbrio do Egito; pelo que o nome daquele lugar se chamou Gilgal até o dia de hoje.

Celebra-se a Páscoa

[10] Estando, pois, os filhos de Israel acampados em Gilgal, celebraram a Páscoa no dia catorze do mês, à tarde, nas campinas de Jericó.

[11] Comeram do fruto da terra, no dia seguinte à Páscoa; pães asmos e cereais tostados comeram nesse mesmo dia.

[12] No dia imediato, depois que comeram do produto da terra, cessou o maná, e não

[5]Ngokuba bonke abantu abaphuma babesokiwe, kepha bonke abantu abazalwa ehlane ngasendleleni ekuphumeni kwabo eGibithe babengabasokanga.

[6] Ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bahamba iminyaka engamashumi amane ehlane, saze saphela isizwe sonke, yiwo amadoda empi aphuma eGibithe, lokhu engalalelanga izwi likaJehova, afunga kuwo uJehova ukuthi akayikuwabonisa izwe uJehova alifungela oyise ethi uyakusinika lona, izwe elivame ubisi nezinyosi.

[7]Abantwana bawo abavusa esikhundleni sawo bona uJoshuwa wabasoka, ngokuba babengabangasokile, lokhu bengabasokanga endleleni.

[8]Kwathi sebeqedile ukusoka abantu bonke, bahlala ezindaweni zabo ekamu, baze baphola.

[9]UJehova wayesethi kuJoshuwa: Namuhla ngilethulile kini ihlazo laseGibithe. Ngalokho igama laleyo ndawo lathiwa iGiligali kuze kube namuhla.

Iphasika laseKhanani

[10] Abantwana bakwa-Israyeli bamisa eGiligali, bagcina iphasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga ngakusihlwa emathafeni aseJeriko.

[11] Badla ezithelweni zezwe ngolwangakusasa emva kwephasika, amaqebelengwane angenamvubelo notshwele ngalona lolo suku.

[12]Imana lanqamuka ngangomuso, nxa sebedla ezithelweni zezwe; abakwa-

o tiveram mais os filhos de Israel; mas, naquele ano, comeram das novidades da terra de Canaã.

Deus aparece a Josué

13 Estando Josué ao pé de Jericó, levantou os olhos e olhou; eis que se achava em pé diante dele um homem que trazia na mão uma espada nua; chegou-se Josué a ele e disse-lhe: És tu dos nossos ou dos nossos adversários?

14 Respondeu ele: Não; sou príncipe do exército do SENHOR e acabo de chegar. Então, Josué se prostrou com o rosto em terra, e o adorou, e disse-lhe: Que diz meu senhor ao seu servo?

15 Respondeu o príncipe do exército do SENHOR a Josué: Descalça as sandálias dos pés, porque o lugar em que estás é santo. E fez Josué assim.

Josué 6

A destruição de Jericó

1 Ora, Jericó estava rigorosamente fechada por causa dos filhos de Israel; ninguém saía, nem entrava.

2 Então, disse o SENHOR a Josué: Olha, entreguei na tua mão Jericó, o seu rei e os seus valentes.

3 Vós, pois, todos os homens de guerra, rodeareis a cidade, cercando-a uma vez; assim fareis por seis dias.

4 Sete sacerdotes levarão sete trombetas de chifre de carneiro adiante da arca; no sétimo dia, rodeareis a cidade sete vezes, e os sacerdotes tocarão as trombetas.

Israyeli ababe besaba nemana futhi, kepha base bedla ezithelweni zezwe laseKhanani ngalowo mnyaka.

Isikhulu sebandla lasezulwini

13 Kwathi uJoshuwa esengaseJeriko, waphakamisa amehlo akhe, wabona, bheka, nanso indoda malungana naye enenkemba yayo ihoshiwe esandleni sayo; uJoshuwa waya kuyo, wathi kuyo: Uvuna thina noma izitha zethu na?

14 Yathi: Qha, ngifikile njengesikhulu sebandla likaJehova. UJoshuwa wayesewa ngobuso emhlabathini, wakhuleka, wathi kuyo: Ithini inkosi yami encekwini yayo na?

15 Isikhulu sebandla likaJehova sathi kuJoshuwa: Khumula isicathulo sakho onyaweni lwakho, ngokuba indawo omi kuyo ingcwele. UJoshuwa wenze njalo-ke.

UJoshuwa 6

Ukuchithwa kweJeriko

1 IJeriko lalivalile amasango alo ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli; kwakungaphumi muntu, kungangeni muntu.

2 UJehova wathi kuJoshuwa: Bheka, nginikele esandleni sakho iJeriko, nenkosi yalo, namaqhawe anamandla.

3 Niyakuhaqa umuzi, onke amadoda empi, niwuzungeze umuzi kanye. Uyakwenze njalo izinsuku eziyisithupha.

4 Abapristi abayisikhombisa bayakuthwala amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi komphongolo; ngosuku lwesikhombisa

[5] E será que, tocando-se longamente a trombeta de chifre de carneiro, ouvindo vós o sonido dela, todo o povo gritará com grande grita; o muro da cidade cairá abaixo, e o povo subirá nele, cada qual em frente de si.

[6] Então, Josué, filho de Num, chamou os sacerdotes e disse-lhes: Levai a arca da Aliança; e sete sacerdotes levem sete trombetas de chifre de carneiro adiante da arca do SENHOR.

[7] E disse ao povo: Passai e rodeai a cidade; e quem estiver armado passe adiante da arca do SENHOR.

[8] Assim foi que, como Josué dissera ao povo, os sete sacerdotes, com as sete trombetas de chifre de carneiro diante do SENHOR, passaram e tocaram as trombetas; e a arca da Aliança do SENHOR os seguia.

[9] Os homens armados iam adiante dos sacerdotes que tocavam as trombetas; a retaguarda seguia após a arca, e as trombetas soavam continuamente.

[10] Porém ao povo ordenara Josué, dizendo: Não gritareis, nem fareis ouvir a vossa voz, nem sairá palavra alguma da vossa boca, até ao dia em que eu vos diga: gritai! Então, gritareis.

niyakuwuzungeza umuzi kasikhombisa, abapristi babethe amacilongo.

[5]Kuyakuthi lapho bekhalisa kade uphondo lwejubili nalapho nilizwa izwi lecilongo, bonke abantu bakhamuluke ngokukhamuluka okukhulu, ugange lomuzi luwele phansi endaweni yalo, abantu bakhuphuke, yilowo nalowo aqonde phambili nje.

[6]UJoshuwa indodana kaNuni wabiza abapristi, wathi kubo: Phakamisani umphongolo wesivumelwano, abapristi abayisikhombisa bathwale amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi komphongolo kaJehova.

[7]Kubantu wathi: Dlulani, niwuzungeze umuzi, abahlomileyo badlule phambi komphongolo kaJehova.

[8]Kwathi lapho uJoshuwa esekhulumile kubantu, abapristi abayisikhombisa bethwele amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi kukaJehova badlula, babetha amacilongo, umphongolo wesivumelwano sikaJehova wabalandela.

[9]Abahlomileyo bahamba phambi kwabapristi ababetha amacilongo, nesigaba sasemuva sawulandela umphongolo, bebetha amacilongo besahamba.

[10]UJoshuwa wayala abantu, wathi: Aniyikukhamuluka; ningalizwakalisi izwi lenu, kungaphumi gama emlonyeni wenu, kuze kufike usuku engiyakuthi ngalo kini: Khamulukani! Bese nikhamuluka.

[11] Assim, a arca do SENHOR rodeou a cidade, contornando-a uma vez. Entraram no arraial e ali pernoitaram.

[12] Levantando-se Josué de madrugada, os sacerdotes levaram, de novo, a arca do SENHOR.

[13] Os sete sacerdotes que levavam as sete trombetas de chifre de carneiro diante da arca do SENHOR iam tocando continuamente; os homens armados iam adiante deles, e a retaguarda seguia após a arca do SENHOR, enquanto as trombetas soavam continuamente.

[14] No segundo dia, rodearam, outra vez, a cidade e tornaram para o arraial; e assim fizeram por seis dias.

[15] No sétimo dia, madrugaram ao subir da alva e, da mesma sorte, rodearam a cidade sete vezes; somente naquele dia rodearam a cidade sete vezes.

[16] E sucedeu que, na sétima vez, quando os sacerdotes tocavam as trombetas, disse Josué ao povo: Gritai, porque o SENHOR vos entregou a cidade!

[17] Porém a cidade será condenada, ela e tudo quanto nela houver; somente viverá Raabe, a prostituta, e todos os que estiverem com ela em casa, porquanto escondeu os mensageiros que enviamos.

[18] Tão-somente guardai-vos das coisas condenadas, para que, tendo-as vós

[11]Wayesenza ukuba umphongolo kaJehova uzungeze umuzi, wawuhaqa kanye; base befika ekamu, balala ubusuku ekamu.

[12]UJoshuwa wavuka ekuseni kakhulu, abapristi bathatha umphongolo kaJehova.

[13]Abapristi abayisikhombisa, bethwele amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi komphongolo kaJehova, bahamba njalo bewabetha amacilongo; abahlomileyo bahamba phambi kwabo, nesigaba sasemuva sawulandela umphongolo kaJehova, bebetha amacilongo besahamba.

[14]Ngosuku lwesibili bawuzungeza umuzi kanye, babuyela ekamu; benze njalo izinsuku eziyisithupha.

[15]Kwathi ngosuku lwesikhombisa bavuka ukuntwela kokusa, bawuzungeza umuzi ngandlelanye kasikhombisa; ngalolo suku kuphela bawuzungeza umuzi kasikhombisa.

[16]Kwathi ngokwesikhombisa abapristi sebebethile amacilongo, uJoshuwa wathi kubantu: Khamulukani, ngokuba uJehova uninikile umuzi.

[17] Umuzi uyakwahlukaniselwa uJehova, wona nakho konke okukuwo; uRahabi isifebe kuphela uyakusinda, yena nabo bonke abakuye endlini, ngokuba wazithukusa izithunywa esazithumayo.

[18] Kodwa zigcineni nina kukho okuqalekisiweyo, funa lapho senikuqalekisile nithathe kukho

condenado, não as tomeis; e assim torneis maldito o arraial de Israel e o confundais.
[19] Porém toda prata, e ouro, e utensílios de bronze e de ferro são consagrados ao SENHOR; irão para o seu tesouro.

[20] Gritou, pois, o povo, e os sacerdotes tocaram as trombetas. Tendo ouvido o povo o sonido da trombeta e levantado grande grito, ruíram as muralhas, e o povo subiu à cidade, cada qual em frente de si, e a tomaram.

[21] Tudo quanto na cidade havia destruíram totalmente a fio de espada, tanto homens como mulheres, tanto meninos como velhos, também bois, ovelhas e jumentos.

Raabe é salva

[22] Então, disse Josué aos dois homens que espiaram a terra: Entrai na casa da mulher prostituta e tirai-a de lá com tudo quanto tiver, como lhe jurastes.
[23] Então, entraram os jovens, os espias, e tiraram Raabe, e seu pai, e sua mãe, e seus irmãos, e tudo quanto tinha; tiraram também toda a sua parentela e os acamparam fora do arraial de Israel.
[24] Porém a cidade e tudo quanto havia nela, queimaram-no; tão-somente a prata, o ouro e os utensílios de bronze e de ferro deram para o tesouro da Casa do SENHOR.
[25] Mas Josué conservou com vida a prostituta Raabe, e a casa de seu pai, e tudo quanto tinha; e habitou no meio de Israel até ao dia de hoje, porquanto

okuqalekisiweyo, nilenze ikamu libe ngeliqalekisiweyo, nilihluphe.
[19] Kepha lonke isiliva, negolide, nezitsha zethusi nezensimbi kungcwele kuJehova; kuyakungena endlini yengcebo kaJehova.
[20] Abantu base bekhamuluka, amacilongo abethwa; kwathi lapho abantu bezwe ukukhala kwecilongo, abantu bakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu, ugange lwawela phansi endaweni yalo, abantu benyukela emzini, yilowo nalowo waqonda phambili nje, bawuthatha umuzi.

[21]Baqalekisa konke okusemzini, isilisa nesifazane, abasha nabadala, nezinkabi, nezimvu, nezimbongolo, ngosiko lwenkemba.

[22]UJoshuwa wathi kulawo madoda amabili ayelihlolile izwe: Ngenani endlini yesifebe, nikhiphe kuyo owesifazane nabo bonke anabo, njengalokho namfungela.
[23]Izinsizwa ezaziyizinhloli zangena, zamkhipha uRahabi, noyise, nonina, nabafowabo, nabo bonke anabo, zakhipha bonke abomuzi wakhe, zababeka ngaphandle kwekamu lakwa-Israyeli.
[24]Bawushisa umuzi ngomlilo, nakho konke okukuwo; isiliva kuphela, negolide, nezitsha zethusi nezensimbi bakufaka endlini yengcebo endlini kaJehova.
[25]Kepha uRahabi isifebe, nabendlu kayise, nabo bonke anabo, uJoshuwa wabasindisa; uhlala phakathi kuka-Israyeli kuze kube namuhla, lokhu

escondera os mensageiros que Josué enviara a espiar Jericó.

26 Naquele tempo, Josué fez o povo jurar e dizer: Maldito diante do SENHOR seja o homem que se levantar e reedificar esta cidade de Jericó; com a perda do seu primogênito lhe porá os fundamentos e, à custa do mais novo, as portas.

27 Assim, era o SENHOR com Josué; e corria a sua fama por toda a terra.

Josué 7

Os israelitas derrotados em Ai. Acã

1 Prevaricaram os filhos de Israel nas coisas condenadas; porque Acã, filho de Carmi, filho de Zabdi, filho de Zera, da tribo de Judá, tomou das coisas condenadas. A ira do SENHOR se acendeu contra os filhos de Israel.

2 Enviando, pois, Josué, de Jericó, alguns homens a Ai, que está junto a Bete-Áven, ao oriente de Betel, falou-lhes, dizendo: Subi e espiai a terra. Subiram, pois, aqueles homens e espiaram Ai.

3 E voltaram a Josué e lhe disseram: Não suba todo o povo; subam uns dois ou três mil homens, a ferir Ai; não fatigueis ali todo o povo, porque são poucos os inimigos.

4 Assim, subiram lá do povo uns três mil homens, os quais fugiram diante dos homens de Ai.

wathukusa izithunywa uJoshuwa azithuma ukuba zihlole iJeriko.

26 UJoshuwa wabafungisa ngaleso sikhathi, wathi: Makaqalekiswe phambi kukaJehova umuntu osuka akhe lo muzi waseJeriko; uyakubeka isisekelo sawo ngokulahlekelwa yizibulo lakhe, amise amasango awo ngokulahlekelwa ngomncinyane wakhe.

27UJehova wayenaye uJoshuwa; udumo lwakhe lwalukhona ezweni lonke.

UJoshuwa 7

Icala lika Akani nesijeziso sakhe

1 Kepha abantwana bakwa-Israyeli beqa ngokuqalekisiweyo, lokhu u-Akani kaKarmi kaZabidi kaZera, owesizwe sakwaJuda, ethatha kukho okuqalekisiweyo; intukuthelo kaJehova yabavuthela abantwana bakwa-Israyeli.

2 UJoshuwa wathuma amadoda, asuka eJeriko aya e-Ayi eliseceleni kweBeti Aveni ngasempumalanga kwaseBethele, wakhuluma kuwo, wathi: Khuphukani, nilihlole izwe. Amadoda akhuphuka ahlola i-Ayi.

3Abuyela kuJoshuwa, athi kuye: Mabangakhuphuki bonke abantu; makuhambe amadoda kungathi izinkulungwane ezimbili noma ezintathu, alichithe i-Ayi; ungabakhathazi bonke abantu ngokuya khona, ngokuba bayingcosana nje.

4Kwase kukhuphukela khona abantu abayizinkulungwane ezintathu, kepha babaleka phambi kwamadoda ase-Ayi.

[5] Os homens de Ai feriram deles uns trinta e seis, e aos outros perseguiram desde a porta até às pedreiras, e os derrotaram na descida; e o coração do povo se derreteu e se tornou como água.

[5]Amadoda ase-Ayi abulala abantu abangamashumi amathathu nesithupha, abaxosha esuka phambi kwesango aze afika eShebarimi, ababulala emthambekeni; izinhliziyo zabantu zaphela amandla, zaba njengamanzi.

[6] Então, Josué rasgou as suas vestes e se prostrou em terra sobre o rosto perante a arca do SENHOR até à tarde, ele e os anciãos de Israel; e deitaram pó sobre a cabeça.

[6]UJoshuwa waziklebhula izingubo zakhe, wawa ngobuso emhlabathini phambi komphongolo kaJehova kwaze kwahlwa, yena namalunga akwa-Israyeli; bathela uthuli emakhanda abo.

[7] Disse Josué: Ah! SENHOR Deus, por que fizeste este povo passar o Jordão, para nos entregares nas mãos dos amorreus, para nos fazerem perecer? Tomara nos contentáramos com ficarmos dalém do Jordão.

[7]UJoshuwa wathi: Maye, Nkosi Nkulunkulu! Ubaweliseleni iJordani nakanye laba bantu ukuba usinikele esandleni sama-Amori, usibhubhise, na? Sengathi nga saneliswa ukuhlala ngaphesheya kweJordani!

[8] Ah! SENHOR, que direi? Pois Israel virou as costas diante dos seus inimigos!

[8]O Nkosi, ngiyakuthini, lapha abakwa-Israyeli sebefulathele izitha zabo na?

[9] Ouvindo isto os cananeus e todos os moradores da terra, nos cercarão e desarraigarão o nosso nome da terra; e, então, que farás ao teu grande nome?

[9] Ngokuba amaKhanani nabo bonke abakhileyo ezweni bayakukuzwa, basihaqe, banqume igama lethu emhlabeni; uyakwenzela ntoni igama lakho elikhulu na?

[10] Então, disse o SENHOR a Josué: Levanta-te! Por que estás prostrado assim sobre o rosto?

[10]UJehova wathi kuJoshuwa: Sukuma; uweleni kanje ngobuso bakho na?

[11] Israel pecou, e violaram a minha aliança, aquilo que eu lhes ordenara, pois tomaram das coisas condenadas, e furtaram, e dissimularam, e até debaixo da sua bagagem o puseram.

[11] U-Israyeli wonile, yebo, beqile isivumelwano sami engabayala ngaso, yebo, bathathile nakukho okuqalekisiweyo, futhi bebile, baqambile amanga, bakubeka kweyabo impahla.

[12] Pelo que os filhos de Israel não puderam resistir aos seus inimigos; viraram as costas diante deles, porquanto Israel se

[12]Ngalokho abantwana bakwa-Israyeli abanakuma phambi kwezitha zabo, bayafulathela izitha zabo, ngokuba

fizera condenado; já não serei convosco, se não eliminardes do vosso meio a coisa roubada.

[13] Dispõe-te, santifica o povo e dize: Santificai-vos para amanhã, porque assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Há coisas condenadas no vosso meio, ó Israel; aos vossos inimigos não podereis resistir, enquanto não eliminardes do vosso meio as coisas condenadas.

[14] Pela manhã, pois, vos chegareis, segundo as vossas tribos; e será que a tribo que o SENHOR designar por sorte se chegará, segundo as famílias; e a família que o SENHOR designar se chegará por casas; e a casa que o SENHOR designar se chegará homem por homem.

[15] Aquele que for achado com a coisa condenada será queimado, ele e tudo quanto tiver, porquanto violou a aliança do SENHOR e fez loucura em Israel.

[16] Então, Josué se levantou de madrugada e fez chegar a Israel, segundo as suas tribos; e caiu a sorte sobre a tribo de Judá.

[17] Fazendo chegar a tribo de Judá, caiu sobre a família dos zeraítas; fazendo chegar a família dos zeraítas, homem por homem, caiu sobre Zabdi;

[18] e, fazendo chegar a sua casa, homem por homem, caiu sobre Acã, filho de Carmi, filho de Zabdi, filho de Zera, da tribo de Judá.

[19] Então, disse Josué a Acã: Filho meu, dá glória ao SENHOR, Deus de Israel, e a ele

sebeqalekisiwe; angisayikuba nani, uma ningachithi okuqalekisiweyo phakathi kwenu.

[13] Suka ungcwelise abantu, uthi: Zingcweliseleni ingomuso, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli usho kanje, uthi: Kukhona okuqalekisiweyo phakathi kwakho, Israyeli; awunakuma phambi kwezitha zakho, ningakakususi okuqalekisiweyo phakathi kwenu.

[14] Kusasa niyakusondezwa ngezizwe zakini; kuyakuthi isizwe asithathayo uJehova sisondele ngemindeni; umndeni awuthathayo uJehova uyakusondela ngezindlu; indlu ayithathayo uJehova iyakusondela ngabantu.

[15] Kuyakuthi othathwayo enokuqalekisiweyo ashiswe ngomlilo, yena nakho konke anakho, ngokuba eqile isivumelwano sikaJehova nangokuba esebenzile ubuwula kwa-Israyeli.

[16]UJoshuwa wayesevuka ekuseni kakhulu, wasondeza u-Israyeli ngezizwe zakubo; isizwe sakwaJuda sathathwa.

[17] Wayesesondeza imindeni yakwaJuda; wathatha umndeni wakwaZera, wawusondeza umndeni wakwaZera ngabantu, kwathathwa uZabidi.

[18]Wayisondeza indlu yakhe ngabantu; u-Akani kaKarmi kaZabidi kaZera, owesizwe sakwaJuda, wathathwa.

[19]UJoshuwa wayesethi ku-Akani: Ndodana yami, ake umnike uJehova

rende louvores; e declara-me, agora, o que fizeste; não mo ocultes.

uNkulunkulu ka-Israyeli inkazimulo, uvume kuye, ungitshele okwenzileyo, ungangifihleli.

[20] Respondeu Acã a Josué e disse: Verdadeiramente, pequei contra o SENHOR, Deus de Israel, e fiz assim e assim.

[20]U-Akani wamphendula uJoshuwa, wathi: Kuyiqiniso, ngonile kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, ngenza ukuthi nokuthi.

[21] Quando vi entre os despojos uma boa capa babilônica, e duzentos siclos de prata, e uma barra de ouro do peso de cinqüenta siclos, cobicei-os e tomei-os; e eis que estão escondidos na terra, no meio da minha tenda, e a prata, por baixo.

[21]Ngabona empangweni ingubo enhle yaseShineyari, namashekeli angamakhulu amabili esiliva, nesigaxa segolide esinesisindo esingamashekeli angamashumi ayisihlanu, ngakufisa, ngakuthatha; bheka, kuthukusiwe emhlabathini phakathi kwetende lami, nesiliva liphansi kwakho.

[22] Então, Josué enviou mensageiros que foram correndo à tenda; e eis que tudo estava escondido nela, e a prata, por baixo.

[22]UJoshuwa wayesethuma izithunywa, zagijimela etendeni; bheka kwakuthukusiwe etendeni lakhe, isiliva liphansi.

[23] Tomaram, pois, aquelas coisas do meio da tenda, e as trouxeram a Josué e a todos os filhos de Israel, e as colocaram perante o SENHOR.

[23]Zakukhipha phakathi kwetende, zakuyisa kuJoshuwa nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, bakubeka phansi phambi kukaJehova.

[24] Então, Josué e todo o Israel com ele tomaram Acã, filho de Zera, e a prata, e a capa, e a barra de ouro, e seus filhos, e suas filhas, e seus bois, e seus jumentos, e suas ovelhas, e sua tenda, e tudo quanto tinha e levaram-nos ao vale de Acor.

[24]UJoshuwa nabo bonke abakwa-Israyeli benaye bamthatha u-Akani indodana kaZera, nesiliva, nengubo, nesigaxa segolide, namadodana akhe, namadodakazi akhe, nezinkabi zakhe, nezimbongolo zakhe, nezimvu zakhe, netende lakhe, nakho konke anakho, bakukhuphulela esigodini sase-Akori.

[25] Disse Josué: Por que nos conturbaste? O SENHOR, hoje, te conturbará. E todo o Israel o apedrejou; e, depois de apedrejá-los, queimou-os.

[25]UJoshuwa wayesethi: Usihlupheleni na? UJehova uzakukuhlupha namuhla. Bonke abakwa-Israyeli bamkhanda ngamatshe;

[26] E levantaram sobre ele um montão de pedras, que permanece até ao dia de hoje; assim, o SENHOR apagou o furor da sua ira; pelo que aquele lugar se chama o vale de Acor até ao dia de hoje.

Josué 8

Ai é destruída

[1] Disse o SENHOR a Josué: Não temas, não te atemorizes; toma contigo toda a gente de guerra, e dispõe-te, e sobe a Ai; olha que entreguei nas tuas mãos o rei de Ai, e o seu povo, e a sua cidade, e a sua terra.
[2] Farás a Ai e a seu rei como fizeste a Jericó e a seu rei; somente que para vós outros saqueareis os seus despojos e o seu gado; põe emboscadas à cidade, por detrás dela.

[3] Então, Josué se levantou, e toda a gente de guerra, para subir contra Ai; escolheu Josué trinta mil homens valentes e os enviou de noite.

[4] Deu-lhes ordem, dizendo: Eis que vos poreis de emboscada contra a cidade, por detrás dela; não vos distancieis muito da cidade; e todos estareis alertas.
[5] Porém eu e todo o povo que está comigo nos aproximaremos da cidade; e será que, quando saírem, como dantes, contra nós, fugiremos diante deles.

babashisa ngomlilo, babakhanda ngamatshe.
[26] Bamisa phezu kwakhe inqwaba yamatshe; isekhona nanamuhla; uJehova waphenduka entukuthelweni yake enkulu. Ngalokho igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi isigodi sase-Akori kuze kube namuhla.

UJoshuwa 8

Ukuchithwa kwe-Ayi

[1] UJehova wathi kuJoshuwa: Ungesabi, ungabi naluvalo; suka nabo bonke abantu bempi, ukhuphuke uye e-Ayi; bheka, nginikele esandleni sakho inkosi yase-Ayi, nabantu bayo, nomuzi wayo, nezwe layo;
[2]uyakwenza kulo i-Ayi nenkosi yalo njengalokho wenza kulo iJeriko nenkosi yalo; impango yalo kuphela nezinkomo zalo niyakuziphangela khona. Wuqamekele umuzi emva kwawo.
[3]UJoshuwa wasuka kanye nabo bonke abantu bempi ukuba akhuphukele e-Ayi; uJoshuwa wakhetha amadoda ayizinkulungwane ezingamashumi amathathu amaqhawe anamandla, wawathuma ebusuku.
[4]Wawayala ngokuthi: Bhekani, niyakuwuqamekela umuzi, emva komuzi, ningayi kude kakhulu nomuzi, nihlale nilungele nonke.
[5] Mina nabantu bonke abanami siyakusondela emzini; kuyakuthi lapho bephuma ukusihlasela njengakuqala, sibaleke phambi kwabo.

[6] Deixemo-los, pois, sair atrás de nós, até que os tiremos da cidade; porque dirão: Fogem diante de nós como dantes. Assim, fugiremos diante deles.

[7] Então, saireis vós da emboscada e tomareis a cidade; porque o SENHOR, vosso Deus, vo-la entregará nas vossas mãos.

[8] Havendo vós tomado a cidade, pôr-lhe-eis fogo; segundo a palavra do SENHOR, fareis; eis que vo-lo ordenei.

[9] Assim, Josué os enviou, e eles se foram à emboscada; e ficaram entre Betel e Ai, ao ocidente de Ai; porém Josué passou aquela noite no meio do povo.

[10] Levantou-se Josué de madrugada, passou revista ao povo, e subiram ele e os anciãos de Israel, diante do povo, contra Ai.

[11] Subiram também todos os homens de guerra que estavam com ele, e chegaram-se, e vieram defronte da cidade; e alojaram-se do lado norte de Ai. Havia um vale entre eles e Ai.

[12] Tomou também uns cinco mil homens e os pôs entre Betel e Ai, em emboscada, ao ocidente da cidade.

[13] Assim foi posto o povo: todo o acampamento ao norte da cidade e a emboscada ao ocidente dela; e foi Josué aquela noite até ao meio do vale.

[6]Bayakuphuma, basilandele, size sibasuse emzini, ngokuba bayakusho ukuthi: Babaleka phambi kwethu njengakuqala, bese sibaleka phambi kwabo;

[7]niyakusuka ekuqamekeleni, niwudle umuzi, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu uyakuwunikela esandleni senu.

[8]Kuyakuthi lapho seniwuthathile umuzi, nithungele umuzi ngomlilo, nenze njengezwi likaJehova; bhekani, senginiyalile.

[9]UJoshuwa wayesebathuma, baya ukuyoqamekela, bahlala phakathi kweBethele ne-Ayi ngasentshonalanga kwase-Ayi; uJoshuwa walala lobo busuku phakathi kwabantu.

[10]UJoshuwa wavuka ekuseni kakhulu, wabutha abantu, wakhuphuka, yena namalunga akwa-Israyeli, phambi kwabantu, waya e-Ayi.

[11]Bonke abantu bempi ayenabo bakhuphuka, basondela, baya phambi komuzi, bamisa ngasenyakatho kwase-Ayi; kwakukhona isigodi phakathi kwakhe ne-Ayi.

[12]Wathatha amadoda kungathi izinkulungwane eziyisihlanu, wawaqamekelisa phakathi kweBethele ne-Ayi ngasentshonalanga komuzi.

[13]Sebehleliwe abantu, lonke ibandla elalingasenyakatho komuzi nabaqamekeleyo babo ababengasentshonalanga komuzi,

uJoshuwa waya ngalobo busuku phakathi kwesigodi.

[14] E sucedeu que, vendo-o o rei de Ai, ele e os homens da cidade apressaram-se e, levantando-se de madrugada, saíram de encontro a Israel, à batalha, defronte das campinas, porque ele não sabia achar-se contra ele uma emboscada atrás da cidade.

[14]Kwathi inkosi yase-Ayi ikubona lokho, ashesha avuka ekuseni amadoda omuzi, aphuma ukuhlasela u-Israyeli, yona nabantu bayo, endaweni enqunyiweyo ngaphambi kwehlane; yayingazi nokho ukuthi babekhona abayiqamekeleyo ngasemva komuzi.

[15] Josué, pois, e todo o Israel se houveram como feridos diante deles e fugiram pelo caminho do deserto.

[15]UJoshuwa nabo bonke abakwa-Israyeli benza kungathi bahluliwe phambi kwabo, babaleka ngendlela eya ehlane.

[16] Pelo que todo o povo que estava na cidade foi convocado para os perseguir; e perseguiram Josué e foram afastados da cidade.

[16]Bonke abantu basemzini babizwa ukuba babaxoshe; bamxosha uJoshuwa, basuswa emzini.

[17] Nem um só homem ficou em Ai, nem em Betel que não saísse após os israelitas; e deixaram a cidade aberta e perseguiram Israel.

[17]Akusalanga muntu e-Ayi naseBethele ongaphumanga ukubaxosha abakwa-Israyeli, bawushiya umuzi ugengelezile, babaxosha abakwa-Israyeli.

[18] Então, disse o SENHOR a Josué: Estende para Ai a lança que tens na mão; porque a esta darei na tua mão; e Josué estendeu para a cidade a lança que tinha na mão.

[18]UJehova wathi kuJoshuwa: Yelulela umkhonto osesandleni sakho ngase-Ayi, ngokuba ngiyakulinikela esandleni sakho. UJoshuwa welulela-ke umkhonto osesandleni sakhe ngasemzini.

[19] Então, a emboscada se levantou apressadamente do seu lugar, e, ao estender ele a mão, vieram à cidade e a tomaram; e apressaram-se e nela puseram fogo.

[19]Abaqamekeleyo bashesha basuka endaweni yabo, bagijima lapho eselula isandla sakhe, bangena emzini, bawuthatha; bawuthungela ngomlilo masinyane.

[20] Virando-se os homens de Ai para trás, olharam, e eis que a fumaça da cidade subia ao céu, e não puderam fugir nem para um lado nem para outro; porque o

[20]Lapho amadoda ase-Ayi ebheka emva kwabo, abona, bheka, umusi womuzi wenyukela ngasezulwini; ayengenamandla ukubaleka ngalapha noma ngalapha, lapho abantu

povo que fugia para o deserto se tornou contra os que os perseguiam.

21 Vendo Josué e todo o Israel que a emboscada tomara a cidade e que a fumaça da cidade subia, voltaram e feriram os homens de Ai.

22 Da cidade saíram os outros ao encontro do inimigo, que, assim, ficou no meio de Israel, uns de uma parte, outros de outra; e feriram-nos de tal sorte, que nenhum deles sobreviveu, nem escapou.

23 Porém ao rei de Ai tomaram vivo e o trouxeram a Josué.

24 Tendo os israelitas acabado de matar todos os moradores de Ai no campo e no deserto onde os tinham perseguido, e havendo todos caído a fio de espada, e sendo já todos consumidos, todo o Israel voltou a Ai, e a passaram a fio de espada.

25 Os que caíram aquele dia, tanto homens como mulheres, foram doze mil, todos os moradores de Ai.

26 Porque Josué não retirou a mão que estendera com a lança até haver destruído totalmente os moradores de Ai.

27 Os israelitas saquearam, entretanto, para si o gado e os despojos daquela cidade, segundo a palavra do SENHOR, que ordenara a Josué.

28 Então, Josué pôs fogo a Ai e a reduziu, para sempre, a um montão, a ruínas até ao dia de hoje.

ababebalekele ngasehlane sebephendukela ababaxoshayo.

21Ngokuba nxa uJoshuwa nabo bonke abakwa-Israyeli bebona ukuthi abaqamekeleyo bawuthathile umuzi nokuthi umusi womuzi wenyuka, base bebuyela emuva, bawabulala amadoda ase-Ayi.

22 Labo abanye baphuma emzini ukuba babahlasele baze babe phakathi kuka-Israyeli, abanye ngalapha, abanye ngalapha, bababulala, kwaze kwangasala muntu owaphunyuka, wabaleka.

23Inkosi yase-Ayi bayibamba isaphila, bayiyisa kuJoshuwa.

24Kwathi lapho u-Israyeli eseqedile ukubulala bonke abakhileyo e-Ayi endle ehlane, lapho ebebaxoshele khona, bese bewe bonke ngosiko lwenkemba baze baqedwa, bonke abakwa-Israyeli babuyela e-Ayi, balichitha ngosiko lwenkemba.

25Bonke abawa ngalolo suku, abesilisa nabesifazane, babeyizinkulungwane eziyishumi nambili, abantu bonke base-Ayi.

26 UJoshuwa akabuyisanga isandla sakhe awelula ngaso umkhonto, engakaqothuli bonke abakhileyo e-Ayi.

27Izinkomo kuphela nempango yalowo muzi u-Israyeli waziphangela khona, njengezwi likaJehova amyala ngalo uJoshuwa.

28UJoshuwa wayeselishisa i-Ayi, walenza laba yiduma lenxiwa kuze kube phakade; liyincithakalo kuze kube namuhla.

[29] Ao rei de Ai, enforcou-o e o deixou no madeiro até à tarde; ao pôr-do-sol, por ordem de Josué, tiraram do madeiro o cadáver, e o lançaram à porta da cidade, e sobre ele levantaram um montão de pedras, que até hoje permanece.

Renovação da aliança

[30] Então, Josué edificou um altar ao SENHOR, Deus de Israel, no monte Ebal,

[31] como Moisés, servo do SENHOR, ordenara aos filhos de Israel, segundo o que está escrito no Livro da Lei de Moisés, a saber, um altar de pedras toscas, sobre o qual se não manejara instrumento de ferro; sobre ele ofereceram holocaustos ao SENHOR e apresentaram ofertas pacíficas.

[32] Escreveu, ali, em pedras, uma cópia da lei de Moisés, que já este havia escrito diante dos filhos de Israel.

[33] Todo o Israel, com os seus anciãos, e os seus príncipes, e os seus juízes estavam de um e de outro lado da arca, perante os levitas sacerdotes que levavam a arca da Aliança do SENHOR, tanto estrangeiros como naturais; metade deles, em frente do monte Gerizim, e a outra metade, em frente do monte Ebal; como Moisés, servo do SENHOR, outrora, ordenara que fosse abençoado o povo de Israel.

[34] Depois, leu todas as palavras da lei, a bênção e a maldição, segundo tudo o que está escrito no Livro da Lei.

[29] Inkosi yase-Ayi wayiphanyeka emthini kwaze kwahlwa; ukushona kwelanga uJoshuwa wabayala ukuba behlise isidumbu sayo emthini, basintshinga ngasesikhaleni sesango lomuzi, wamisa phezu kwaso inqwaba enkulu yamatshe ekhona nanamuhla.

I-altare entabeni yase-Ebali

[30] Khona uJoshuwa wamakhela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli i-altare entabeni yase-Ebali,

[31] njengalokho uMose inceku kaJehova wayala abantwana bakwa-Israyeli, njengokulotshiweyo encwadini yomthetho kaMose, i-altare lamatshe angabaziwe, angaphakanyiselwanga muntu insimbi; banikela phezu kwalo ngeminikelo yokushiswa kuJehova, banikela ngeminikelo yokuthula.

[32] Waloba khona ematsheni impinda yomthetho kaMose ayilobayo phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[33]Bonke abakwa-Israyeli namalunga abo, nezinduna zabo, nabahluleli babo babemi ngalapha nangalapha komphongolo phambi kwabapristi bamaLevi abathwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova, abafokazi nabokuzalwa ekhaya, inxenye yabo ibhekene nentaba yaseGerizimu, inxenye yabo ibhekene nentaba yase-Ebali, njengalokho uMose inceku kaJehova ebeyalile, ukuba babusise abantu bakwa-Israyeli kuqala.

[34] Ngasemuva wafunda onke amazwi omthetho, isibusiso nesiqalekiso,

[35] Palavra nenhuma houve, de tudo o que Moisés ordenara, que Josué não lesse para toda a congregação de Israel, e para as mulheres, e os meninos, e os estrangeiros que andavam no meio deles.

Josué 9

O estratagema dos gibeonitas

[1] Sucedeu que, ouvindo isto todos os reis que estavam daquém do Jordão, nas montanhas, e nas campinas, em toda a costa do mar Grande, defronte do Líbano, os heteus, os amorreus, os cananeus, os ferezeus, os heveus e os jebuseus,

[2] se ajuntaram eles de comum acordo, para pelejar contra Josué e contra Israel.
[3] Os moradores de Gibeão, porém, ouvindo o que Josué fizera com Jericó e com Ai,

[4] usaram de estratagema, e foram, e se fingiram embaixadores, e levaram sacos velhos sobre os seus jumentos e odres de vinho, velhos, rotos e consertados;

[5] e, nos pés, sandálias velhas e remendadas e roupas velhas sobre si; e todo o pão que traziam para o caminho era seco e bolorento.
[6] Foram ter com Josué, ao arraial, a Gilgal, e lhe disseram, a ele e aos homens de Israel: Chegamos de uma terra distante; fazei, pois, agora, aliança conosco.

njengakho konke okulotshiwe encwadini yomthetho.
[35]Akwabakho zwi kukho konke akuyalayo uMose, angalifundanga uJoshuwa phambi kwebandla lonke lakwa-Israyeli, nabesifazane, nabantwana, nabafokazi ababehamba phakathi kwabo.

UJoshuwa 9

Ubuqili babaseGibeyoni

[1] Kwathi lapho onke amakhosi ayengaphesheya kweJordani, ezintabeni, nasemathafeni, nasogwini lonke loLwandle Olukhulu olubhekene neLebanoni, amaHeti, nama-Amori, namaKhanani, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi, esezwa lokho,
[2]abuthana ndawonye ukuba alwe noJoshuwa no-Israyeli nganhliziyonye.
[3] Kepha bathi ukuba abakhileyo eGibeyoni bezwa lokho uJoshuwa ayekwenzile kulo iJeriko ne-Ayi,
[4]nabo benza ubuqili, bahamba bazenzisa kwangathi bayizithunywa, babeka amasaka agugileyo ezimbongolweni zabo, nezimvaba zewayini ezigugileyo neziklebhukileyo, ebesezithungiwe,
[5]nezicathulo ezigugileyo eziciciyelweyo zisezinyaweni zabo, bembethe nezingubo ezigugileyo; isinkwa sonke somphako wabo sasomile, sikhuntile.
[6]Baya kuJoshuwa ekamu laseGiligali, bathi kuye nakumadoda akwa-Israyeli: Sivela ezweni elikude; ngalokho manenze manje isivumelwano nathi.

[7] E os homens de Israel responderam aos heveus: Porventura, habitais no meio de nós; como, pois, faremos aliança convosco?

[8] Então, disseram a Josué: Somos teus servos. Então, lhes perguntou Josué: Quem sois vós? Donde vindes?

[9] Responderam-lhe: Teus servos vieram de uma terra mui distante, por causa do nome do SENHOR, teu Deus; porquanto ouvimos a sua fama e tudo quanto fez no Egito;

[10] e tudo quanto fez aos dois reis dos amorreus que estavam dalém do Jordão, Seom, rei de Hesbom, e Ogue, rei de Basã, que estava em Astarote.

[11] Pelo que nossos anciãos e todos os moradores da nossa terra nos disseram: Tomai convosco provisão alimentar para o caminho, e ide ao encontro deles, e dizei-lhes: Somos vossos servos; fazei, pois, agora, aliança conosco.

[12] Este nosso pão tomamos quente das nossas casas, no dia em que saímos para vir ter convosco; e ei-lo aqui, agora, já seco e bolorento;

[13] e estes odres eram novos quando os enchemos de vinho; e ei-los aqui já rotos; e estas nossas vestes e estas nossas sandálias já envelheceram, por causa do mui longo caminho.

[14] Então, os israelitas tomaram da provisão e não pediram conselho ao SENHOR.

[7] Amadoda akwa-Israyeli athi kumaHivi: Mhlawumbe nakhile phakathi kwethu; singenza kanjani isivumelwano nani na?

[8]Bathi kuJoshuwa: Siyizinceku zakho. UJoshuwa wathi kubo: Ningobani, futhi nivelaphi na?

[9]Bathi kuye: Izinceku zakho zivela ezweni elikude kakhulu ngenxa yegama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba siluzwile udumo lwakhe, nakho konke akwenzayo eGibithe,

[10] nakho konke akwenza kuwo amakhosi omabili ama-Amori ayengaphesheya kweJordani, uSihoni inkosi yaseHeshiboni no-Ogi inkosi yaseBashani, eyayise-Ashitaroti.

[11]Amalunga ethu nabo bonke abakhileyo ezweni lakithi bakhuluma kithi, bathi: Phathani ezandleni zenu umphako wendlela, niye nibahlangabeze, nithi kubo: Siyizinceku zenu; manenze isivumelwano nathi.

[12]Lesi sinkwa somphako wethu sasithatha sisashisa ezindlini zethu ngosuku esaphuma ngalo ukuba siye kini; kepha manje, bhekani, sesomile, sikhuntile;

[13]lezi zimvaba zewayini esazigcwalisa zazizintsha; bhekani, seziklebhukile; lezi zingubo zethu nezicathulo zethu sezigugile ngenxa yendlela ende kakhulu.

[14] Amadoda ayesethatha emphakweni wabo engabuzanga umlomo kaJehova.

[15] Josué concedeu-lhes paz e fez com eles a aliança de lhes conservar a vida; e os príncipes da congregação lhes prestaram juramento.

[16] Ao cabo de três dias, depois de terem feito a aliança com eles, ouviram que eram seus vizinhos e que moravam no meio deles.

[17] Pois, partindo os filhos de Israel, chegaram às cidades deles ao terceiro dia; suas cidades eram Gibeão, Cefira, Beerote e Quiriate-Jearim.

[18] Os filhos de Israel não os feriram, porquanto os príncipes da congregação lhes juraram pelo SENHOR, Deus de Israel; pelo que toda a congregação murmurou contra os príncipes.

[19] Então, todos os príncipes disseram a toda a congregação: Nós lhes juramos pelo SENHOR, Deus de Israel; por isso, não podemos tocar-lhes.

[20] Isto, porém, lhes faremos: Conservar-lhes-emos a vida, para que não haja grande ira sobre nós, por causa do juramento que já lhes fizemos.

[21] Disseram-lhes, pois, os príncipes: Vivam. E se tornaram rachadores de lenha e tiradores de água para toda a congregação, como os príncipes lhes haviam dito.

[22] Chamou-os Josué e disse-lhes: Por que nos enganastes, dizendo: Habitamos mui longe de vós, sendo que viveis em nosso meio?

[15] UJoshuwa wabethembisa ukuthula, wenza isivumelwano nabo ukuba baphile; izikhulu zenhlangano zafunga kubo.

[16]Kwathi emva kwezinsuku ezintathu sebesenzile isivumelwano nabo, bezwa ukuthi bangabakhelwane babo nokuthi bahlala phakathi kwabo.

[17]Abantwana bakwa-Israyeli base besuka, bafika emizini yabo ngosuku lwesithathu; imizi yabo yayiyiGibeyoni, neKefira, neBeroti, neKiriyati Jeharimi.

[18]Abantwana bakwa-Israyeli ababachithanga, ngokuba izikhulu zenhlangano zazifungile kubo uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli. Yonke inhlangano yakhonona ngezikhulu.

[19] Zonke izikhulu zase zithi kuyo yonke inhlangano: Sifungile kubo uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli; ngalokho asinakubathinta manje.

[20] Siyakwenza lokho kubo, sibayeke baphile, funa sehlelwe lulaka ngenxa yesifungo esasifunga kubo.

[21]Izikhulu zase zithi kubo: Mabayekwe baphile; baba ngabagawuli bemithi nabakhi bamanzi kuyo yonke inhlangano njengalokho izikhulu zazibatshelile.

[22]UJoshuwa wababiza, wakhuluma kubo, wathi: Nisikhohliseleni ngokuthi: Sikude kakhulu nani, lokhu nakhile phakathi kwethu, na?

[23] Agora, pois, sois malditos; e dentre vós nunca deixará de haver escravos, rachadores de lenha e tiradores de água para a casa do meu Deus.

[24] Então, responderam a Josué: É que se anunciou aos teus servos, como certo, que o SENHOR, teu Deus, ordenara a seu servo Moisés que vos desse toda esta terra e destruísse todos os moradores dela diante de vós. Por isso, tememos muito por nossa vida por causa de vós e fizemos assim.

[25] Eis que estamos na tua mão; trata-nos segundo te parecer bom e reto.

[26] Assim lhes fez e livrou-os das mãos dos filhos de Israel; e não os mataram.

[27] Naquele dia, Josué os fez rachadores de lenha e tiradores de água para a congregação e para o altar do SENHOR, até ao dia de hoje, no lugar que Deus escolhesse.

Josué 10

Gibeão sitiada por cinco reis

[1] Tendo Adoni-Zedeque, rei de Jerusalém, ouvido que Josué tomara a Ai e a havia destruído totalmente e feito a Ai e ao seu rei como fizera a Jericó e ao seu rei e que os moradores de Gibeão fizeram paz com os israelitas e estavam no meio deles,

[2] temeu muito; porque Gibeão era cidade grande como uma das cidades reais e

[23]Ngalokho seniqalekisiwe, akuyikunqamuka ukuvela kini izigqila, abagawuli bemithi nabakhi bamanzi kuyo indlu kaNkulunkulu wami.

[24] Bamphendula uJoshuwa, bathi: Kungokuba izinceku zakho zatshelwa nokutshelwa ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho wayala inceku yakhe uMose ukuba aninike izwe lonke, achithe bonke abakhileyo ezweni phambi kwenu; ngalokho sesaba kakhulu ngokuphila kwethu ngenxa yenu, sakwenza lokho.

[54]neHumitha, neKiriyati Araba eliyiHebroni, neSiyori, imizi iyisishiyagalolunye nemizana yayo.
[55]IMahoni, neKarmeli, neZifi, neJutha,
[56]neJizreyeli, neJokideyamu, neZanowa,
[57]neKayini, neGibeya, neThimna, imizi iyishumi nemizana yayo.
[58]IHalihuli, neBeti Suri, neGedori,
[59]neMaharati, neBeti Anoti, ne-Elitekoni, imizi iyisithupha nemizana yayo.

[60]IKiriyati Bali eliyiKiriyati Jeharimi, neRaba, imizi mibili nemizana yayo.

[61]Ehlane: iBeti Araba, neMidini, neSekaka,
[62]neNibishani, noMuzi kaSawoti, ne-Eni Gedi, imizi iyisithupha nemizana yayo.
[63] AmaJebusi ayakhe eJerusalema abantwana bakwaJuda babengenakuwaxosha, kepha amaJebusi ahlala nabantwana bakwaJuda eJerusalema kuze kube namuhla.

UJoshuwa 16

Isabelo sabantwana bakwaJosefa, ikakhulu esabakwa-Efrayimi

[1]Isabelo sabantwana bakwaJosefa sasuka eJordani ngaseJeriko emanzini aseJeriko ngasempumalanga, ihlane elenyuka eJeriko ezintabeni ukuya eBethele;

[2] saphuma eBethele, saya eLuze, sadlula saya emkhawulweni wama-Araki ngase-Atharoti;

[3] e desce, rumo ao ocidente, ao limite de Jaflete, até ao limite de Bete-Horom de baixo e até Gezer, terminando no mar.

[3]sehlela ngasentshonalanga emkhawulweni wamaJafeleti kuze kube semkhawulweni weBeti Horoni laseNzansi naseGezeri; ukuphuma kwaso kwakuselwandle.

[4] Assim, alcançaram a sua herança os filhos de José, Manassés e Efraim.

[4]Abantwana bakwaJosefa, oManase no-Efrayimi, base belidla ifa labo.

[5] Foi o limite da herança dos filhos de Efraim, segundo as suas famílias, no oriente, Atarote-Adar até Bete-Horom de cima;

[5]Umkhawulo wabantwana bakwa-Efrayimi ngemindeni yabo wawunje: umkhawulo wefa labo ngasempumalanga wawuyi-Atharoti Adari kuze kube seBeti Horoni laseNhla;

[6] e vai o limite para o mar com Micmetate, ao norte, de onde torna para o oriente até Taanate-Siló, e passa por ela ao oriente de Janoa;

[6]umkhawulo waphuma ngasentshonalanga ngaseMikemetha ngasenyakatho; umkhawulo wawusujika ngasempumalanga, waya eTawanati Shilo, walidlula ngasempumalanga kwaseJanowa;

[7] desce desde Janoa a Atarote e a Naarate, toca em Jericó, terminando no Jordão.

[7]wehla eJanowa, waya e-Atharoti naseNahara, wafika eJeriko, waphumela eJordani.

[8] De Tapua vai o limite, para o ocidente, ao ribeiro de Caná, terminando no mar; esta é a herança da tribo dos filhos de Efraim, segundo as suas famílias,

[8]Kusukela eTaphuwa umkhawulo waya ngasentshonalanga, wafika emfudlaneni iKhana; ukuphuma kwawo kwakuselwandle. Lelo liyifa lesizwe sabantwana bakwa-Efrayimi ngemindeni yabo

[9] mais as cidades que se separaram para os filhos de Efraim, que estavam no meio da herança dos filhos de Manassés; todas aquelas cidades com suas aldeias.

[9] kanye nemizi eyahlukaniselwa abantwana bakwa-Efrayimi phakathi kwefa labantwana bakwaManase, yonke imizi nemizana yayo.

[10] Não expulsaram aos cananeus que habitavam em Gezer; assim, habitam eles no meio dos efraimitas até ao dia de hoje; porém sujeitos a trabalhos forçados.

[10] Kodwa abawaxoshanga amaKhanani ahlala eGezeri, kepha amaKhanani ahlala phakathi kuka-Efrayimi kuze kube namuhla, aba yizinceku zokusebenza.

Josué 17

A herança da meia tribo de Manassés

[1] Também caiu a sorte à tribo de Manassés, o qual era o primogênito de José. Maquir, o primogênito de Manassés, pai de Gileade, porquanto era homem de guerra, teve Gileade e Basã.

[2] Os mais filhos de Manassés também tiveram a sua parte, segundo as suas famílias, a saber, os filhos de Abiezer, e os filhos de Heleque, e os filhos de Asriel, e os filhos de Siquém, e os filhos de Héfer, e os filhos de Semida; são estes os filhos de Manassés, filho de José, segundo as suas famílias.

[3] Zelofeade, porém, filho de Héfer, filho de Gileade, filho de Maquir, filho de Manassés, não teve filhos, mas só filhas, cujos nomes são estes: Macla, Noa, Hogla, Milca e Tirza.

[4] Estas chegaram diante de Eleazar, o sacerdote, e diante de Josué, filho de Num, e diante dos príncipes, dizendo: O SENHOR ordenou a Moisés que se nos desse herança no meio de nossos irmãos. Pelo que, segundo o dito do SENHOR, Josué lhes deu herança no meio dos irmãos de seu pai.

[5] Couberam a Manassés dez quinhões, afora a terra de Gileade e Basã, que está dalém do Jordão;

UJoshuwa 17

Isabelo sakwaManase ngasentshonalanga kwaseJordani

[1] Lesi siyisabelo sesizwe sakwaManase, ngokuba wayeyizibulo likaJosefa. UMakiri-ke, izibulo likaManase, uyise kaGileyadi, wathola elakwaGileyadi neBashani, lokhu eyindoda yempi.

[2] Abanye abantwana bakwaManase babelwa nabo ngemindeni yabo: abantwana bakwa-Abiyezeri, nabantwana bakwaHeleki, nabantwana bakwa-Asiriyeli, nabantwana bakwaShekemi, nabantwana bakwaHeferi, nabantwana bakwaShemida; labo babe ngabantwana besilisa bakwaManase indodana kaJosefa ngemindeni yabo.

[3] Kepha uSelofehadi kaHeferi kaGileyadi kaMakiri kaManase wayengenamadodana, enamadodakazi odwa; lawa angamagama amadodakazi: oMahela, noNowa, noHogila, noMilka, noTirisa.

[4] Asondela phambi kuka-Eleyazare umpristi, naphambi kukaJoshuwa indodana kaNuni, naphambi kwezikhulu, athi: UJehova wamyala uMose ukuba asinike ifa phakathi kwabafowethu. Wayesewanika ifa phakathi kwabafowabo bakayise njengesiyalezo sikaJehova.

[5] UManase wabelwa izabelo eziyishumi ngaphandle kwelakwaGileyadi neBashani ngaphesheya kweJordani,

[6] porque as filhas de Manassés, no meio de seus filhos, possuíram herança; os outros filhos de Manassés tiveram a terra de Gileade.

[7] O limite de Manassés foi desde Aser até Micmetate, que está a leste de Siquém; e vai este limite, rumo sul, até aos moradores de En-Tapua.

[8] Tinha Manassés a terra de Tapua; porém Tapua, ainda que situada no limite de Manassés, era dos filhos de Efraim.

[9] Então, desce o limite ao ribeiro de Caná. As cidades, entre as de Manassés, ao sul do ribeiro, pertenciam a Efraim; então, o limite de Manassés vai ao norte do ribeiro, terminando no mar.

[10] Efraim, ao sul, Manassés, ao norte, e o mar é seu limite; pelo norte, tocam em Aser e, pelo oriente, em Issacar.

[11] Porque, em Issacar e em Aser, tinha Manassés a Bete-Seã e suas vilas, Ibleão e suas vilas, os habitantes de Dor e suas vilas, os habitantes de En-Dor e suas vilas, os habitantes de Taanaque e suas vilas e os habitantes de Megido e suas vilas, a região dos três outeiros.

[6] ngokuba amadodakazi kaManase aba nefa phakathi kwamadodana akhe; izwe lakwaGileyadi laba ngelamanye amadodana kaManase.

[7]Umkhawulo kaManase wasuka kwa-Asheri, waya eMikemetha elingaphambi kweShekemi; umkhawulo wawusuya ngakwesokunene kwabakhileyo e-Eni Taphuwa.

[8]Izwe laseTaphuwa lalingelikaManase, kepha iTaphuwa elisemkhawulweni kaManase lalingelabantwana bakwa-Efrayimi.

[9] Umkhawulo wehlela emfudlaneni iKhana ngaseningizimu komfula; leyo mizi yayingeka-Efrayimi phakathi kwemizi kaManase; umkhawulo kaManase wawungasenyakatho komfula; ukuphuma kwawo kwakuselwandle;

[10]okwaseningizimu kwakungokuka-Efrayimi, okwasenyakatho kwakungokukaManase, ulwandle lwalungumkhawulo wakhe; bafinyelela kwa-Asheri ngasenyakatho nakwa-Isakare ngasempumalanga.

[11]Kwa-Isakare nakwa-Asheri uManase wabelwa iBeti Sheyani kanye nemizana yalo, neJibileyamu kanye nemizana yalo, nabakhileyo eDori kanye nemizana yalo, nabakhileyo e-Eni Dori kanye nemizana yalo, nabakhileyo eThahanaki kanye nemizana yalo, nabakhileyo eMegido kanye nemizana yalo eyizimpakama ezintathu.

12 E os filhos de Manassés não puderam expulsar os habitantes daquelas cidades, porquanto os cananeus persistiam em habitar nessa terra.

13 Sucedeu que, tornando-se fortes os filhos de Israel, sujeitaram aos cananeus a trabalhos forçados, porém não os expulsaram de todo.

14 Então, o povo dos filhos de José disse a Josué: Por que me deste por herança uma sorte apenas e um quinhão, sendo eu tão grande povo, visto que o SENHOR até aqui me tem abençoado?

15 Disse-lhe Josué: Se és grande povo, sobe ao bosque e abre ali clareira na terra dos ferezeus e dos refains, visto que a região montanhosa de Efraim te é estreita demais.

16 Então, disseram os filhos de José: A região montanhosa não nos basta; e todos os cananeus que habitam na terra do vale têm carros de ferro, tanto os que estão em Bete-Seã e suas vilas como os que estão no vale de Jezreel.

17 Falou Josué à casa de José, a Efraim e a Manassés, dizendo: Tu és povo numeroso e forte; não terás uma sorte apenas;

18 porém a região montanhosa será tua. Ainda que é bosque, cortá-lo-ás, e até às suas extremidades será todo teu; porque expulsarás os cananeus, ainda que possuem carros de ferro e são fortes.

12 Kodwa abantwana bakwaManase babengenakunqoba leyo mizi; kepha amaKhanani ayethanda ukuhlala kulelo zwe.

13Kwathi lapho abantwana bakwa-Israyeli sebeqinile, bawasebenzisa amaKhanani, abawaxoshanga ngokupheleleyo.

14Abantwana bakwaJosefa bakhuluma kuJoshuwa, bathi: Unginikeleni isabelo sibe sinye nje nesinqamu sibe sinye kuphela, kube yifa lami, lokhu ngiyisizwe esikhulu, njengokuba uJehova ungibusisile kuze kube manje, na?

15UJoshuwa wathi kubo: Uma uyisizwe esikhulu, khuphukela ehlathini, uzicabele khona ezweni lamaPherizi nakwelamaRefa, lokhu izintaba zakwa-Efrayimi ziminyene kuwe.

16 Bathi abantwana bakwaJosefa: Izintaba azisanele; onke amaKhanani ahlala ezweni lesigodi anezinqola zensimbi, wona aseBeti Sheyani kanye nemizana yalo nawo asesiGodini saseJizreyeli.

17UJoshuwa wayesekhuluma kuyo indlu kaJosefa, naku-Efrayimi, nakuManase, ethi: Uyisizwe esikhulu, unamandla amakhulu; awuyikuba nasabelo esisodwa nje;

18kepha izintaba ziyakuba ngezakho; noma ziyihlathi, woligawula; namaphethelo alo mawabe ngawakho, ngokuba uyakuwaxosha amaKhanani,

nakuba enezinqola zensimbi nakuba enamandla.

Josué 18

O resto da terra dividido em sete partes

[1] Reuniu-se toda a congregação dos filhos de Israel em Siló, e ali armaram a tenda da congregação; e a terra estava sujeita diante deles.

[2] Dentre os filhos de Israel ficaram sete tribos que ainda não tinham repartido a sua herança.

[3] Disse Josué aos filhos de Israel: Até quando sereis remissos em passardes para possuir a terra que o SENHOR, Deus de vossos pais, vos deu?

[4] De cada tribo escolhei três homens, para que eu os envie, eles se disponham, e corram a terra, e façam dela um gráfico relativamente à herança das tribos, e se tornem a mim.

[5] Dividirão a terra em sete partes: Judá ficará no seu território, ao sul, e a casa de José, no seu, ao norte.

[6] Em sete partes fareis o gráfico da terra e mo trareis a mim, para que eu aqui vos lance as sortes perante o SENHOR, nosso Deus.

[7] Porquanto os levitas não têm parte entre vós, pois o sacerdócio do SENHOR é a sua parte. Gade, e Rúben, e a meia tribo de Manassés já haviam recebido a sua herança dalém do Jordão, para o oriente, a qual lhes deu Moisés, servo do SENHOR.

UJoshuwa 18

Itende lokuhlangana

[1] Yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli yabuthana eShilo, yamisa khona itende lokuhlangana; izwe lanqotshwa phambi kwabo.

[2]Kwasala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli izizwe eziyisikhombisa ezingakabelwa ifa lazo.

[3]UJoshuwa wathi kubantwana bakwa-Israyeli: Niyakuyekethisa kuze kube nini ukuya ukulidla izwe uJehova uNkulunkulu wawoyihlo aninike lona na?

[4]Zimiseleni amadoda amathathu izizwe ngezizwe; ngiyakuwathuma ukuba asuke ahambe ezweni, alilobe njengamafa azo, aze afike kimi.

[5]Ayakwahlukanisa izabelo eziyisikhombisa: uJuda uyakuhlala emkhawulweni wakhe ngaseningizimu, indlu kaJosefa ihlale emkhawulweni wayo ngasenyakatho.

[6]Anoloba izwe kube yizabelo eziyisikhombisa, nikulethe lapha kimi, nginenzele inkatho lapha phambi kukaJehova uNkulunkulu wethu.

[7] Ngokuba amaLevi awanasabelo phakathi kwenu, lokhu ubupristi bukaJehova buyifa lawo; oGadi noRubeni nenxenye yesizwe sakwaManase sebamukela ifa labo ngaphesheya kweJordani

ngasempumalanga abanika lona uMose inceku kaJehova.

[8] Dispuseram-se, pois, aqueles homens e se foram, e Josué deu ordem aos que iam levantar o gráfico da terra, dizendo: Ide, correi a terra, levantai-lhe o gráfico e tornai a mim; aqui vos lançarei as sortes perante o SENHOR, em Siló.

[8]Amadoda ayesesuka, ahamba; uJoshuwa wayala abahambayo ukuba balobe izwe, wathi: Sukani nihambe ezweni, nililobe, nibuyele kimi, nginenzele inkatho phambi kukaJehova eShilo.

[9] Foram, pois, os homens, passaram pela terra, levantaram dela o gráfico, cidade por cidade, em sete partes, num livro, e voltaram a Josué, ao arraial em Siló.

[9]Ayesehamba amadoda, adabula izwe, aliloba ngemizi, kwaba yizabelo eziyisikhombisa encwadini; afika kuJoshuwa ekamu laseShilo.

[10] Então, Josué lhes lançou as sortes em Siló, perante o SENHOR; e ali repartiu Josué a terra, segundo as suas divisões, aos filhos de Israel.

[10]UJoshuwa wawenzela inkatho eShilo phambi kukaJehova; uJoshuwa wababela khona abantwana bakwa-Israyeli izwe njengezabelo zalo.

A herança de Benjamim

[11] Saiu a sorte da tribo dos filhos de Benjamim, segundo as suas famílias; e o território da sua sorte caiu entre os filhos de Judá e os filhos de José.

Isabelo sakwaBenjamini

[11]Inkatho yadla isizwe sabantwana bakwaBenjamini ngemindeni yabo; umkhawulo wesabelo sabo waphuma phakathi kwabantwana bakwaJuda nabantwana bakwaJosefa.

[12] O seu limite foi para o lado norte desde o Jordão; subia ao lado de Jericó, para o norte, e subia pela montanha, para o ocidente, para terminar no deserto de Bete-Áven.

[12]Umkhawulo wabo ngasohlangothini lwasenyakatho waphuma eJordani; umkhawulo wenyuka eceleni kweJeriko ngasenyakatho, wakhuphukela ezintabeni ngasentshonalanga; ukuphuma kwawo kwakungasehlane laseBeti Aveni.

[13] E dali passava o limite a Luz, ao lado de Luz (que é Betel), para o sul; descia a Atarote-Adar, ao pé do monte que está do lado sul de Bete-Horom de baixo.

[13] Umkhawulo wasuka lapho, waya eLuze eceleni kweLuze eliyiBethele ngaseningizimu; umkhawulo wawusehlela e-Atharoti Adari ngasentabeni engaseningizimu kwaseBeti Horoni laseNzansi.

[14] Seguia o limite, e tornava ao lado ocidental, para o sul do monte que está

[14]Umkhawulo wasuka, wajika ngasohlangothini lwasentshonalanga

defronte de Bete-Horom, para o sul, e terminava em Quiriate-Baal (que é Quiriate-Jearim), cidade dos filhos de Judá; este era o lado ocidental.

ngaseningizimu, kusukela entabeni ephambi kweBeti Horoni ngaseningizimu; ukuphuma kwawo kwakungaseKiriyati Bali eliyiKiriyati Jeharimi, umuzi wabantwana bakwaJuda; lokho kwakuluhlangothi lwasentshonalanga.

15 O lado do sul começava na extremidade oriental de Quiriate-Jearim e seguia até à fonte das águas de Neftoa;

15 Uhlangothi lwaseningizimu lwasuka ekupheleni kweKiriyati Jeharimi, umkhawulo waphuma waya ngasentshonalanga emthonjeni wamanzi aseNefitowa;

16 descia o limite até à extremidade do monte que está defronte do vale do Filho de Hinom, ao norte do vale dos Refains, e descia pelo vale de Hinom do lado dos jebuseus, para o sul; e baixava a En-Rogel;

16 umkhawulo wawusehlela ngasekupheleni kwentaba engaphambi kwesigodi sendodana kaHinomu esiyisigodi samaRefa ngasenyakatho; wehlela esigodini sikaHinomu eceleni kwamaJebusi ngaseningizimu, wehlela e-Eni Rogeli;

17 volvia-se para o norte, chegava a En-Semes, de onde passava para Gelilote, que está defronte da subida de Adumim, e descia à pedra de Boã, filho de Rúben;

17 wasuka enyakatho, waphuma e-Eni Shemeshi, waya eGeliloti elibhekene nommango wase-Adumimi, wehlela etsheni likaBohanu indodana kaRubeni;

18 passava pela vertente norte, defronte da planície, e descia à planície.

18 wadlula waya eceleni elibhekene ne-Araba ngasenyakatho, wehlela e-Araba;

19 Depois, passava o limite até ao lado de Bete-Hogla, para o norte, para terminar na baía do mar Salgado, na desembocadura do Jordão, ao sul; este era o limite do sul.

19 umkhawulo wadlula, waya eceleni kweBeti Hogila ngasenyakatho, ukuphuma komkhawulo kwakungasethekwini lasenyakatho koLwandle Lukasawoti ngasekugcineni kweJordani ngaseningizimu; lokho kwakungumkhawulo waseningizimu.

20 Do lado oriental, o Jordão era o seu limite; esta era a herança dos filhos de Benjamim nos seus limites em redor, segundo as suas famílias.

20 IJordani lalingumkhawulo walo ngasohlangothini lwasempumalanga. Lokho kwakuyifa labantwana

bakwaBenjamini njengemikhawulo yabo nxazonke ngemindeni yabo.

As cidades de Benjamim

21 As cidades da tribo dos filhos de Benjamim, segundo as suas famílias, eram: Jericó, Bete-Hogla, Emeque-Quesis,

21Imizi yesizwe sabantwana bakwaBenjamini ngemindeni yabo yayiyiJeriko, neBeti Hogila, ne-Emeki Kesisi,

22 Bete-Arabá, Zemaraim, Betel,

22neBeti Araba, neSemarayimi, neBethele,

23 Avim, Pará, Ofra,

23ne-Avimi, nePhara, ne-Ofira,

24 Quefar-Amonai, Ofni e Gaba; ao todo, doze cidades com suas aldeias.

24neKefari Amoni, ne-Ofini, neGeba, imizi iyishumi nambili nemizana yayo;

25 Gibeão, Ramá, Beerote,

25iGibeyoni, neRama, neBeyeroti,

26 Mispa, Cefira, Mosa,

26neMispa, neKefira, neMosa,

27 Requém, Irpeel, Tarala,

27neRekemi, ne-Iripeyeli, neTarala,

28 Zela, Elefe, Jebus (esta é Jerusalém), Gibeá e Quiriate; ao todo, catorze cidades com suas aldeias; esta era a herança dos filhos de Benjamim, segundo as suas famílias.

28neSela, ne-Elefi, neJebusi eliyiJerusalema, neGibeyati, neKiriyati, imizi iyishumi nane nemizana yayo. Lokho kwakuyifa labantwana bakwaBenjamini ngemindeni yabo.

Josué 19

A herança de Simeão

1 Saiu a segunda sorte a Simeão, à tribo dos filhos de Simeão, segundo as suas famílias, e foi a sua herança no meio da dos filhos de Judá.

2 Na herança, tiveram: Berseba, Seba, Molada,

3 Hazar-Sual, Balá, Ezém,

4 Eltolade, Betul, Horma,

5 Ziclague, Bete-Marcabote, Hazar-Susa,

6 Bete-Lebaote e Saruém; ao todo, treze cidades com suas aldeias.

7 Aim, Rimom, Eter e Asã; ao todo, quatro cidades com suas aldeias.

UJoshuwa 19

Isabelo sesizwe sakwaSimeyoni

1 Inkatho yesibili yadla uSimeyoni, isizwe sabantwana bakwaSimeyoni ngemindeni yabo; ifa labo laliphakathi kwefa labantwana bakwaJuda.

2Ifa labo laliyiBeri Sheba, neSheba, neMolada,

3neHasari Shuwali, neBala, ne-Eseme,

4ne-Elitoladi, neBethuli, neHorma,

5neSikilagi, neBeti Marikaboti, neHasari Susa,

6neBeti Lebawoti, neSharuheni, imizi iyishumi nantathu nemizana yayo;

7i-Ayini, neRimoni, ne-Etere, ne-Ashani, imizi mine nemizana yayo,

[8] E todas as aldeias que havia em redor destas cidades, até Baalate-Ber, que é Ramá do Neguebe; esta era a herança da tribo dos filhos de Simeão, segundo as suas famílias.

[9] A herança dos filhos de Simeão se tirou de entre a porção dos filhos de Judá, pois a herança destes era demasiadamente grande para eles, pelo que os filhos de Simeão tiveram a sua herança no meio deles.

A herança de Zebulom

[10] Saiu a terceira sorte aos filhos de Zebulom, segundo as suas famílias. O limite da sua herança ia até Saride.

[11] Subia o seu limite, pelo ocidente, a Marala, tocava em Dabesete e chegava até ao ribeiro que está defronte de Jocneão.

[12] De Saride, dava volta para o oriente, para o nascente do sol, até ao limite de Quislote-Tabor, saía a Daberate, e ia subindo a Jafia;

[13] dali, passava, para o nascente, a Gate-Hefer, a Ete-Cazim, ia a Rimom, que se estendia até Neá,

[14] e, rodeando-a, o limite passava, para o norte, a Hanatom e terminava no vale de Ifta-El.

[15] Ainda Catate, Naalal, Sinrom, Idala e Belém, completando doze cidades com suas aldeias.

[8]nayo yonke imizana eyayinxazonke zaleyo mizi kuze kube seBalati Beri, iRama laseNingizimu. Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwaSimeyoni ngemindeni yabo.

[9]Ifa labantwana bakwaSimeyoni lavela esabelweni sabantwana bakwaJuda, ngokuba isabelo sabantwana bakwaJuda sasisikhulu kubo; ngalokho abantwana bakwaSimeyoni babenefa phakathi kwefa labo.

Isabelo sakwaZebuloni

[10]Inkatho yesithathu yadla abantwana bakwaZebuloni ngemindeni yabo; umkhawulo wefa labo wafika eSaridi;

[11]umkhawulo wabo wenyukela ngasentshonalanga kuze kube seMarala, wafinyelela naseDabesheti, wafinyelela nasemfuleni ongasempumalanga kwaseJokineyamu,

[12]wajika wasuka eSaridi ngasempumalanga, lapho kuphuma khona ilanga, kuze kube semkhawulweni waseKisiloti Thabori, waphuma waya eDaberati, wenyukela eJafiya;

[13]kusukela lapho wadlula waya ngasempumalanga eGati Heferi, nase-Eti Kasini, waphuma waya eRimoni elifika naseNeya;

[14]umkhawulo wawusujika ngasenyakatho kwalo, waya eHanathoni; ukuphuma kwawo kwakungasesigodini saseJifitayeli;

[15]neKathati, neNahalali, neShimroni, neJidala, neBetlehema, imizi iyishumi nambili nemizana yayo.

16 Esta era a herança dos filhos de Zebulom, segundo as suas famílias; estas cidades com suas aldeias.

A herança de Issacar

17 A quarta sorte saiu a Issacar, aos filhos de Issacar, segundo as suas famílias.

18 O seu território incluía Jezreel, Quesulote, Suném,

19 Hafaraim, Siom, Anacarate,

20 Rabite, Quisião, Ebes,

21 Remete, En-Ganim, En-Hada e Bete-Pasês.

22 O limite tocava o Tabor, Saazima e Bete-Semes e terminava no Jordão; ao todo, dezesseis cidades com suas aldeias.

23 Esta era a herança da tribo dos filhos de Issacar, segundo as suas famílias; estas cidades com suas aldeias.

A herança de Aser

24 Saiu a quinta sorte à tribo dos filhos de Aser, segundo as suas famílias.

25 O seu território incluía Helcate, Hali, Béten, Acsafe,

26 Alameleque, Amade e Misal; e tocava o Carmelo, para o ocidente, e Sior-Libnate;

27 volvendo-se para o nascente do sol, Bete-Dagom, tocava Zebulom e o vale de Ifta-El, ao norte de Bete-Emeque e de Neiel, e vinha sair a Cabul, pela esquerda,

16Lokho kwakuyifa labantwana bakwaZebuloni ngemindeni yabo, leyo mizi kanye nemizana yayo.

Isabelo sakwa-Isakare

17Inkatho yesine yadla u-Isakare, abantwana bakwa-Isakare ngemindeni yabo.

18Umkhawulo wabo wawuyiJizreyeli, neKesuloti, neShunemi,

19neHafarayimi, neShiyoni, ne-Anaharati,

20neRabiti, neKishiyoni, ne-Ebesi,

21neRemeti, ne-Eni Ganimi, ne-EniHada, neBeti Phasesi;

22umkhawulo wafinyelela eThabori, naseShahasuma, naseBeti Shemeshi; ukuphuma komkhawulo wabo kwakuseJordani, imizi iyishumi nesithupha nemizana yayo.

23Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwa-Isakare ngemindeni yabo, imizi kanye nemizana yayo.

Isabelo sakwa-Asheri

24Inkatho yesihlanu yadla isizwe sabantwana bakwa-Asheri ngemindeni yabo.

25Umkhawulo wabo wawuyiHelikati, neHali, neBetheni, ne-Akishafu,

26ne-Alameleki, ne-Amadi, neMishali; wafinyelela eKarmeli ngasentshonalanga, naseShihori Libinati;

27wajika ngasempumalanga, waya eBeti Dagoni, wafinyelela kwaZebuloni nasesigodini saseJifitayeli ngasenyakatho ukuya eBeti Emeki naseNeyiyeli, waphumela eKabuli ngakwesokhohlo;

[28] Ebrom, Reobe, Hamom e Caná, até à grande Sidom.

[29] Voltava o limite a Ramá e até à forte cidade de Tiro; então, tornava a Hosa, para terminar no mar, na região de Aczibe;

[30] também Umá, Afeca e Reobe, completando vinte e duas cidades com suas aldeias.

[31] Esta era a herança da tribo dos filhos de Aser, segundo as suas famílias; estas cidades com suas aldeias.

A herança de Naftali

[32] Saiu a sexta sorte aos filhos de Naftali, segundo as suas famílias.

[33] Era o seu limite desde Helefe, do carvalho em Zaananim, Adami-Nequebe, Jabneel, até Lacum e terminava no Jordão.

[34] Voltava o limite, pelo ocidente, a Aznote-Tabor, de onde passava a Hucoque; tocava Zebulom, ao sul, e Aser, ao ocidente, e Judá, pelo Jordão, ao nascente do sol.

[35] As cidades fortificadas eram: Zidim, Zer, Hamate, Racate, Quinerete,

[36] Adamá, Ramá, Hazor,

[37] Quedes, Edrei, En-Hazor,

[38] Irom, Migdal-El, Horém, Bete-Anate e Bete-Semes; ao todo, dezenove cidades com suas aldeias.

[28]ne-Ebironi, neRehobi, neHamoni, neKhana, neSidoni Elikhulu;

[29]umkhawulo wajika waya eRama, nasemzini obiyelweyo waseTire; umkhawulo wajika waya eHosa; ukuphuma kwawo kwakuselwandle ngasezweni lase-Akizibi;

[30]ne-Uma, ne-Afeki, neRehobi, imizi ingamashumi amabili nemizana yayo.

[31]Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwa-Asheri ngemindeni yabo, leyo mizi kanye nemizana yayo.

Isabelo sakwaNafetali

[32]Inkatho yesithupha yadla abantwana bakwaNafetali, abantwana bakwaNafetali ngemindeni yabo.

[33]Umkhawulo wabo wasuka eHelefi, kulo i-oki laseSahananimi, nase-Adami Nekebi, naseJabineyeli, waze wafika eLakumi; ukuphuma kwawo kwakungaseJordani;

[34]umkhawulo wawusujika ngasentshonalanga, waya e-Azinoti Thabori; waphuma lapho, waya eHukoki; wafinyelela kwaZebuloni ngaseningizimu, wafinyelela kwa-Asheri ngasentshonalanga nakwaJuda ngaseJordani ngasempumalanga.

[35]Imizi ebiyelweyo yayiyiSidimi, neSeri, neHamati, neRakati, neKinereti,

[36]ne-Adama, neRama, neHasori,

[37]neKedeshi, ne-Edireyi, ne-EniHasori,

[38]neJireyoni, neMigidaliyeli, neHoremi, neBeti Anati, neBeti Shemeshi, imizi iyishumi nesishiyagalolunye nemizana yayo.

[39] Esta era a herança da tribo dos filhos de Naftali, segundo as suas famílias; estas cidades com suas aldeias.

A herança de Dã

[40] A sétima sorte saiu à tribo dos filhos de Dã, segundo as suas famílias.

[41] O território da sua herança incluía Zorá, Estaol, Ir-Semes,

[42] Saalabim, Aijalom, Itla,

[43] Elom, Timna, Ecrom,

[44] Elteque, Gibetom, Baalate,

[45] Jeúde, Benê-Beraque, Gate-Rimom,

[46] Me-Jarcom e Racom, com o território defronte de Jope.

[47] Saiu, porém, pequeno o limite aos filhos de Dã, pelo que subiram os filhos de Dã, e pelejaram contra Lesém, e a tomaram, e a feriram a fio de espada; e, tendo-a possuído, habitaram nela e lhe chamaram Dã, segundo o nome de Dã, seu pai.

[48] Esta era a herança da tribo dos filhos de Dã, segundo as suas famílias; estas cidades com suas aldeias.

A herança de Josué

[49] Acabando, pois, de repartir a terra em herança, segundo os seus territórios, deram os filhos de Israel a Josué, filho de Num, herança no meio deles.

[50] Deram-lhe, segundo o mandado do SENHOR, a cidade que pediu, Timnate-Sera, na região montanhosa de Efraim; reedificou ele a cidade e habitou nela.

[51] Eram estas as heranças que Eleazar, o sacerdote, e Josué, filho de Num, e os

[39]Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwaNafetali ngemindeni yabo, imizi kanye nemizana yayo.

Isabelo sakwaDani

[40]Inkatho yesikhombisa yadla abantwana bakwaDani ngemindeni yabo.

[41]Umkhawulo wefa labo wawuyiSora, ne-Eshitawoli, ne-Iri Shemeshi,

[42]neShahalabini, ne-Ajaloni, neJitila,

[43]ne-Eloni, neThimna, ne-Ekroni,

[44]ne-Eliteke, neGibethoni, neBalati,

[45]neJehudi, neBene Beraki, neGati Rimoni,

[46]neMe Jarikhoni, neRakhoni, kanye nomkhawulo malungana neJafo.

[47] Umkhawulo wabantwana bakwaDani waphuma kuwo; kepha abantwana bakwaDani bakhuphuka balwa neLeshemu, balithatha, balichitha ngosiko lwenkemba, balidla, bakha kulo, baliqamba iLeshemu ngokuthi iDani ngegama likaDani uyise.

[48]Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwaDani ngemindeni yabo, leyo mizi kanye nemizana yayo.

Isabelo sikaJoshuwa

[49]Base beqeda ukwabelana izwe libe yifa ngemikhawulo yalo; abantwana bakwa-Israyeli bamnika uJoshuwa indodana kaNuni ifa phakathi kwabo;

[50]ngesiyalezo sikaJehova bamnika umuzi awucelayo, iThimnati Sera, ezintabeni zakwa-Efrayimi; wakha umuzi, wahlala kuwo.

[51] Lawo angamafa abawabela ngenkatho u-Eleyazare umpristi, noJoshuwa

cabeças dos pais das famílias repartiram por sorte, em herança, pelas tribos dos filhos de Israel, em Siló, perante o SENHOR, à porta da tenda da congregação. E assim acabaram de repartir a terra.

indodana kaNuni, nezinhloko zawoyise bezizwe zabantwana bakwa-Israyeli eShilo phambi kukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana. Baqeda-ke ukwabela izwe.

Josué 20

Estabelecem-se as cidades de refúgio

1 Disse mais o SENHOR a Josué:

2 Fala aos filhos de Israel: Apartai para vós outros as cidades de refúgio de que vos falei por intermédio de Moisés;

3 para que fuja para ali o homicida que, por engano, matar alguma pessoa sem o querer; para que vos sirvam de refúgio contra o vingador do sangue.

4 E, fugindo para alguma dessas cidades, pôr-se-á à porta dela e exporá o seu caso perante os ouvidos dos anciãos da tal cidade; então, o tomarão consigo na cidade e lhe darão lugar, para que habite com eles.

5 Se o vingador do sangue o perseguir, não lhe entregarão nas mãos o homicida, porquanto feriu a seu próximo sem querer e não o aborrecia dantes.

6 Habitará, pois, na mesma cidade até que compareça em juízo perante a congregação, até que morra o sumo sacerdote que for naqueles dias; então, tornará o homicida e voltará à sua cidade e à sua casa, à cidade de onde fugiu.

UJoshuwa 20

Imizi eyisithupha yokuphephela

1 UJehova wakhuluma kuJoshuwa, wathi:

2 Khuluma kubantwana bakwa-Israyeli ngokuthi: Zimiseleni imizi yokuphephela engakhuluma ngayo kini ngesandla sikaMose

3ukuba umbulali obulala umuntu ngesiphosiso kungengamabomu abalekele khona, yona ibe yisiphephelo kumphindiseli wegazi.

4 Obalekelayo komunye waleyo mizi uyakuma ngasesikhaleni sesango lomuzi, akhulume indaba yakhe ezindlebeni zamalunga alowo muzi, angene naye emzini, amuphe indawo ukuba ahlale phakathi kwabo.

5Uma umphindiseli wegazi emxosha, awayikumnikela umbulali esandleni sakhe, ngokuba wambulala umakhelwane wakhe kungengamabomu ebekade engamzondi.

6Uyakuhlala kulowo muzi aze eme phambi kwenhlangano ukuba kuthethwe icala, kuze kufe umpristi omkhulu okhona ngalezo zinsuku, andukuba umbulali abuye, afike kowakhe umuzi, nakweyakhe indlu, yebo, kulowo muzi abaleka kuwo.

[7] Designaram, pois, solenemente, Quedes, na Galiléia, na região montanhosa de Naftali, e Siquém, na região montanhosa de Efraim, e Quiriate-Arba, ou seja, Hebrom, na região montanhosa de Judá.

[8] Dalém do Jordão, na altura de Jericó, para o oriente, designaram Bezer, no deserto, no planalto da tribo de Rúben; e Ramote, em Gileade, da tribo de Gade; e Golã, em Basã, da tribo de Manassés.

[9] São estas as cidades que foram designadas para todos os filhos de Israel e para o estrangeiro que habitava entre eles; para que se refugiasse nelas todo aquele que, por engano, matasse alguma pessoa, para que não morresse às mãos do vingador do sangue, até comparecer perante a congregação.

Josué 21

As cidades dos levitas

1 Crônicas 6.54-81

[1] Então, se chegaram os cabeças dos pais dos levitas a Eleazar, o sacerdote, e a Josué, filho de Num, e aos cabeças dos pais das tribos dos filhos de Israel;

[2] e falaram-lhes em Siló, na terra de Canaã, dizendo: O SENHOR ordenou, por intermédio de Moisés, que se nos dessem cidades para habitar e os seus arredores para os nossos animais.

[3] E os filhos de Israel deram aos levitas, da sua herança, segundo o mandado do

[7]Bangcwelisa iKedeshi laseGalile ezintabeni zakwaNafetali, neShekemi ezintabeni zakwa-Efrayimi, neKiriyati Araba eliyiHebroni ezintabeni zakwaJuda.

[8] Phesheya kweJordani ngaseJeriko ngasempumalanga bamisa iBeseri ehlane ethafeni esizweni sakwaRubeni, neRamoti kwaGileyadi esizweni sakwaGadi, neGolanu eBashani esizweni sakwaManase.

[9]Leyo yayiyimizi emiselwe bonke abantwana bakwa-Israyeli nabafokazi ababegogobele phakathi kwabo, ukuze yilowo nalowo obulele umuntu ngesiphosiso abalekele khona, angafi ngesandla somphindiseli wegazi, aze eme phambi kwenhlangano.

UJoshuwa 21

Imizi engamashumi amane nesishiyagalombili yamaLevi

[1]Kwasondela izinhloko zawoyise bamaLevi ku-Eleyazare umpristi, nakuJoshuwa indodana kaNuni, nakuzo izinhloko zawoyise bezizwe zabantwana bakwa-Israyeli,

[2] bakhuluma kubo eShilo ezweni laseKhanani, bathi: UJehova wayala ngesandla sikaMose ukuba siphiwe imizi ukuhlala kuyo kanye namadlelo ayo, abe ngawezinkomo zethu.

[3]Abantwana bakwa-Israyeli base bewanika amaLevi efeni labo

SENHOR, estas cidades e os seus arredores.

njengesiyalezo sikaJehova le mizi kanye namadlelo ayo.

[4] Caiu a sorte pelas famílias dos coatitas. Assim, os filhos de Arão, o sacerdote, que eram dos levitas, tiveram, por sorte, da tribo de Judá, da tribo de Simeão e da tribo de Benjamim treze cidades.

[4]Inkatho yadla imindeni yamaKohati; abantwana bakwa-Aroni umpristi ababe ngamaLevi babelwa esizweni sakwaJuda, nasesizweni sakwaSimeyoni, nasesizweni sakwaBenjamini imizi eyishumi nantathu.

[5] Os outros filhos de Coate tiveram, por sorte, das famílias da tribo de Efraim, da tribo de Dã e da meia tribo de Manassés dez cidades.

[5]Abantwana abaseleyo bamaKohati babelwa emindenini yesizwe sakwa-Efrayimi, nasesizweni sakwaDani, nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase imizi eyishumi.

[6] Os filhos de Gérson tiveram, por sorte, das famílias da tribo de Issacar, da tribo de Aser, da tribo de Naftali e da meia tribo de Manassés, em Basã, treze cidades.

[6]Abantwana bakwaGereshoni babelwa emindenini yesizwe sakwa-Isakare, nasesizweni sakwa-Asheri, nasesizweni sakwaNafetali, nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase eBashani imizi eyishumi nantathu.

[7] Os filhos de Merari tiveram, por sorte, segundo as suas famílias, da tribo de Rúben, da tribo de Gade e da tribo de Zebulom doze cidades.

[7]Abantwana bakwaMerari ngemindeni yabo babelwa esizweni sakwaRubeni, nasesizweni sakwaGadi, nasesizweni sakwaZebuloni imizi eyishumi nambili.

[8] Deram os filhos de Israel aos levitas estas cidades e os seus arredores, por sorte, como o SENHOR ordenara por intermédio de Moisés.

[8]Abantwana bakwa-Israyeli bawanika amaLevi ngenkatho leyo mizi kanye namadlelo ayo, njengalokho uJehova ebeyalile ngesandla sikaMose.

[9] Deram mais, da tribo dos filhos de Judá e da tribo dos filhos de Simeão, estas cidades que, nominalmente, foram designadas,

[9]Abelwa esizweni sabantwana bakwaJuda nasesizweni sabantwana bakwaSimeyoni lemizi eshiwo lapha ngamagama

[10] para que fossem dos filhos de Arão, das famílias dos coatitas, dos filhos de Levi, porquanto a primeira sorte foi deles.

[10] yaba ngeyabantwana bakwa-Aroni bemindeni yamaKohati ayengamaLevi; ngokuba inkatho yokuqala yaba ngeyabo.

[11] Assim, lhes deram Quiriate-Arba (Arba era pai de Anaque), que é Hebrom, na

[11] Bawanika umuzi ka-Araba owayenguyise ka-Anaki, oyiHebroni,

região montanhosa de Judá, e, em torno dela, os seus arredores.

[12] Porém o campo da cidade, com suas aldeias, deram a Calebe, filho de Jefoné, por sua possessão.

[13] Assim, aos filhos de Arão, o sacerdote, deram Hebrom, cidade de refúgio do homicida, com seus arredores, Libna com seus arredores,

[14] Jatir com seus arredores, Estemoa com seus arredores,

[15] Holom com seus arredores, Debir com seus arredores,

[16] Aim com seus arredores, Jutá com seus arredores e Bete-Semes com seus arredores; ao todo, nove cidades dessas duas tribos.

[17] Da tribo de Benjamim, deram Gibeão com seus arredores, Gaba com seus arredores,

[18] Anatote com seus arredores e Almom com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

[19] Total das cidades dos sacerdotes, filhos de Arão: treze cidades com seus arredores.

[20] As mais famílias dos levitas de Coate tiveram as cidades da sua sorte da tribo de Efraim.

[21] Deram-lhes Siquém, cidade de refúgio do homicida, com seus arredores, na região montanhosa de Efraim, Gezer com seus arredores,

ezintabeni zakwaJuda, kanye namadlelo awo nxa zonke zawo.

[12]Kepha amasimu omuzi nemizana yawo bamnika khona uKalebi indodana kaJefune kube yifa lakhe.

[13] Abantwana bakwa-Aroni, umpristi, babanika iHebroni kanye namadlelo alo, umuzi wokuphephela wombulali, neLibina kanye namadlelo alo,

[14]neJatiri namadlelo alo, ne-Eshitemowa namadlelo alo,

[15]neHoloni namadlelo alo, neDebiri namadlelo alo,

[16]ne-Ayini namadlelo alo, neJutha namadlelo alo, neBeti Shemeshi namadlelo alo, imizi eyisishiyagalolunye kulezo zizwe zombili.

[17]Esizweni sakwaBenjamini: iGibeyoni namadlelo alo, neGeba namadlelo alo,

[18]ne-Anathoti namadlelo alo, ne-Alimoni namadlelo alo, imizi mine.

[19]Yonke imizi yabantwana bakwa-Aroni, abapristi, yayiyimizi eyishumi nantathu namadlelo ayo.

[20]Imindeni yabantwana bamaKohati amaLevi, abantwana abaseleyo bamaKohati, yabelwa ngenkatho imizi yabo esizweni sakwa-Efrayimi.

[21]Bayinika iShekemi namadlelo alo ezintabeni zakwa-Efrayimi, umuzi wokuphephela wombulali, neGezeri namadlelo alo,

[22] Quibzaim com seus arredores e Bete-Horom com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

[23] Da tribo de Dã, deram Elteque com seus arredores, Gibetom com seus arredores,

[24] Aijalom com seus arredores e Gate-Rimom com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

[25] Da meia tribo de Manassés, deram Taanaque com seus arredores e Gate-Rimom com seus arredores; ao todo, duas cidades.

[26] Total: dez cidades com seus arredores, para as famílias dos demais filhos de Coate.

[27] Aos filhos de Gérson, das famílias dos levitas, deram, em Basã, da tribo de Manassés, Golã, a cidade de refúgio para o homicida, com seus arredores, e Beesterá com seus arredores; ao todo, duas cidades.

[28] Da tribo de Issacar, deram Quisião com seus arredores, Daberate com seus arredores,

[29] Jarmute com seus arredores e En-Ganim com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

[30] Da tribo de Aser, deram Misal com seus arredores, Abdom com seus arredores,

[31] Helcate com seus arredores e Reobe com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

[32] Da tribo de Naftali, deram, na Galiléia, Quedes, cidade de refúgio para o homicida, com seus arredores, Hamote-

[22]neKibisayimi namadlelo alo, neBeti-Horoni namadlelo alo, imizi mine.

[23]Esizweni sakwaDani: i-Elitheke namadlelo alo, neGibethoni namadlelo alo,

[24]ne-Ajaloni namadlelo alo, neGati Rimoni namadlelo alo, imizi mine.

[25]Kuyo inxenye yesizwe sakwaManase: iThahanaki namadlelo alo, neGati Rimoni namadlelo alo, imizi mibili.

[26]Yonke imizi yemindeni yabantwana abaseleyo bamaKohati yayiyishumi namadlelo ayo.

[27]Abantwana bakwaGereshoni bemindeni yamaLevi babelwa kuyo inxenye yesizwe sakwaManase iGolanu eBashani namadlelo alo, umuzi wokuphephela wombulali, neBeyeshitera namadlelo alo, imizi mibili.

[28]Esizweni sakwa-Isakare: iKishiyoni namadlelo alo, neDaberati namadlelo alo,

[29]neJarimuthi namadlelo alo, ne-Eni Ganimi namadlelo alo, imizi mine.

[30]Esizweni sakwa-Asheri: iMishali namadlelo alo, ne-Abidoni namadlelo alo,

[31]neHelikati namadlelo alo, neRehobe namadlelo alo, imizi mine.

[32]Esizweni sakwaNafetali: iKedeshi laseGalile namadlelo alo, umuzi wokuphephela wombulali, neHamoti Dori

Dor com seus arredores e Cartã com seus arredores; ao todo, três cidades.

33 Total das cidades dos gersonitas, segundo as suas famílias: treze cidades com seus arredores.

34 Às famílias dos demais levitas dos filhos de Merari deram, da tribo de Zebulom, Jocneão com seus arredores, Cartá com seus arredores,

35 Dimna com seus arredores e Naalal com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

36 Da tribo de Rúben, deram Bezer com seus arredores, Jaza com seus arredores,

37 Quedemote com seus arredores e Mefaate com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

38 Da tribo de Gade, deram, em Gileade, Ramote, cidade de refúgio para o homicida, com seus arredores, Maanaim com seus arredores,

39 Hesbom com seus arredores e Jazer com seus arredores; ao todo, quatro cidades.

40 Todas estas cidades tocaram por sorte aos filhos de Merari, segundo as suas famílias, que ainda restavam das famílias dos levitas: doze cidades.

41 As cidades, pois, dos levitas, no meio da herança dos filhos de Israel, foram, ao todo, quarenta e oito cidades com seus arredores;

42 cada uma das quais com seus arredores em torno de si; assim foi com todas estas cidades.

namadlelo alo, neKaritani namadlelo alo, imizi mithathu.

33Yonke imizi yamaGereshoni ngemindeni yawo yayiyimizi eyishumi nantathu namadlelo ayo.

34Imindeni yabantwana bakwaMerari, abaseleyo kumaLevi, yabelwa esizweni sakwaZebuloni iJokineyamu namadlelo alo, neKarita namadlelo alo,

35neDimina namadlelo alo, neNahalali namadlelo alo, imizi mine.

36Esizweni sakwaRubeni: iBeseri namadlelo alo, neJahasi namadlelo alo,

37neKedemoti namadlelo alo, neMefahati namadlelo alo, imizi mine.

38Esizweni sakwaGadi: iRamoti kwaGileyadi namadlelo alo, umuzi wokuphephela wombulali, neMahanayimi namadlelo alo,

39neHeshiboni namadlelo alo, neJazeri namadlelo alo, yonke iyimizi emine.

40Yonke imizi yabantwana bakwaMerari ngemindeni yabo, imindeni eseleyo yamaLevi, isabelo sabo sasiyimizi eyishumi nambili.

41 Yonke imizi yamaLevi phakathi kwefa labantwana bakwa-Israyeli yayiyimizi engamashumi amane nesishiyagalombili namadlelo ayo.

42Leyo mizi yonke yayinamadlelo ayo nxazonke zayo; kwakunjalo kuyo yonke leyo mizi.

[43] Desta maneira, deu o SENHOR a Israel toda a terra que jurara dar a seus pais; e a possuíram e habitaram nela.

[44] O SENHOR lhes deu repouso em redor, segundo tudo quanto jurara a seus pais; nenhum de todos os seus inimigos resistiu diante deles; a todos eles o SENHOR lhes entregou nas mãos.

[45] Nenhuma promessa falhou de todas as boas palavras que o SENHOR falara à casa de Israel; tudo se cumpriu.

Josué 22

Josué abençoa e manda para casa as duas tribos e meia

[1] Então, Josué chamou os rubenitas, os gaditas e a meia tribo de Manassés

[2] e lhes disse: Tendes guardado tudo quando vos ordenou Moisés, servo do SENHOR, e também a mim me tendes obedecido em tudo quando vos ordenei.

[3] A vossos irmãos, durante longo tempo, até ao dia de hoje, não desamparastes; antes, tivestes o cuidado de guardar o mandamento do SENHOR, vosso Deus.

[4] Tendo o SENHOR, vosso Deus, dado repouso a vossos irmãos, como lhes havia prometido, voltai-vos, pois, agora, e ide-vos para as vossas tendas, à terra da vossa possessão, que Moisés, servo do SENHOR, vos deu dalém do Jordão.

[5] Tende cuidado, porém, de guardar com diligência o mandamento e a lei que Moisés, servo do SENHOR, vos ordenou:

[43] UJehova wamnika-ke u-Israyeli lonke izwe afunga ukubanika lona oyise, balidla, bakha kulo.

[44] UJehova wabanika ukuphumula nxazonke njengakho konke ayekufungile koyise; kwakungekho muntu kuzo zonke izitha zabo owema phambi kwabo; uJehova wanikela zonke izitha zabo esandleni sabo.

[45] Akuphuthanga lutho kukho konke okuhle uJehova akukhuluma khona kuyo indlu ka-Israyeli; kwenziwa konke.

UJoshuwa 22

I-altare ngaseJordani

[1]UJoshuwa wababiza abakwaRubeni, nabakwaGadi, nenxenye yesizwe sakwaManase,

[2] wathi kubo: Nigcinile konke uMose inceku kaJehova aniyala ngakho, nalalela izwi lami kukho konke enganiyala ngakho;

[3]anishiyanga abafowenu lezi zinsuku eziningi kuze kube namuhla, kepha nigcinile imfanelo yomyalo kaJehova uNkulunkulu wenu.

[4] Manje uJehova uNkulunkulu wenu ubanikile abafowenu ukuphumula njengalokho ebekhuluma kubo; ngalokho buyani, niye ematendeni enu ezweni lefa lenu aninika lona uMose inceku kaJehova ngaphesheya kweJordani.

[5] Qaphelisisani kuphela ukwenza imiyalo nomthetho aniyala ngakho uMose inceku kaJehova ukuba nimthande uJehova

que ameis o SENHOR, vosso Deus, andeis em todos os seus caminhos, guardeis os seus mandamentos, e vos achegueis a ele, e o sirvais de todo o vosso coração e de toda a vossa alma.

[6] Assim, Josué os abençoou e os despediu; e eles se foram para as suas tendas.

[7] Ora, Moisés dera herança em Basã à meia tribo de Manassés; porém à outra metade deu Josué entre seus irmãos, daquém do Jordão, para o ocidente. E Josué, ao despedi-los para as suas tendas, os abençoou

[8] e lhes disse: Voltais às vossas tendas com grandes riquezas, com muitíssimo gado, prata, ouro, bronze, ferro e muitíssima roupa; reparti com vossos irmãos o despojo dos vossos inimigos.

[9] Assim, os filhos de Rúben, os filhos de Gade e a meia tribo de Manassés voltaram e se retiraram dos filhos de Israel em Siló, que está na terra de Canaã, para se irem à terra de Gileade, à terra da sua possessão, de que foram feitos possuidores, segundo o mandado do SENHOR, por intermédio de Moisés.

O altar junto ao Jordão

[10] Vindo eles para os limites pegados ao Jordão, na terra de Canaã, ali os filhos de Rúben, os filhos de Gade e a meia tribo de Manassés edificaram um altar junto ao Jordão, altar grande e vistoso.

uNkulunkulu wenu, nihambe kuzo zonke izindlela zakhe, nigcine imiyalo yakhe, ninamathele kuye, nimkhonze ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo wenu.

[6]UJoshuwa wayesebabusisa, wabamukisa; baya ematendeni abo.

[7] Inxenye yesizwe sakwaManase uMose wayeyabele izwe eBashani, kepha inxenye uJoshuwa wayinika izwe phakathi kwabafowabo phesheya kweJordani ngasentshonalanga. Lapho uJoshuwa esebamukisa ukuba baye ematendeni abo, wababusisa, wakhuluma kubo, wathi:

[8] Buyelani ematendeni enu nemfuyo eningi: izinkomo eziningi kakhulu, nesiliva, negolide, nethusi, nensimbi, nezingubo eziningi, nabelane impango yezitha zenu nabafowenu.

[9]Abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase babuya, bamuka kubantwana bakwa-Israyeli eShilo eliyizwe laseKhanani ukuba baye ezweni lakwaGileyadi, izwe lefa labo, ababelwa lona njengesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose;

[10]sebefike eziyingeni zamatshe ngaseJordani ezisezweni laseKhanani abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase bakha khona i-altare ngaseJordani, liyi-altare elikhulu ukubonakala kwalo.

[11] Os filhos de Israel ouviram dizer: Eis que os filhos de Rúben, os filhos de Gade e a meia tribo de Manassés edificaram um altar defronte da terra de Canaã, nos limites pegados ao Jordão, do lado dos filhos de Israel.

[11]Abantwana bakwa-Israyeli bezwa kuthiwa: Bhekani, abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase bakhile i-altare malungana nezwe laseKhanani eziyingeni zamatshe ngaseJordani ngaphesheya kwabantwana bakwa-Israyeli.

[12] Ouvindo isto os filhos de Israel, ajuntou-se toda a congregação dos filhos de Israel em Siló, para saírem à peleja contra eles.

[12]Abantwana bakwa-Israyeli sebezwile lokho, yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli yabuthana ngaseShilo ukuba ikhuphuke ilwe nabo.

[13] E aos filhos de Rúben, aos filhos de Gade e à meia tribo de Manassés enviaram os filhos de Israel, para a terra de Gileade, Finéias, filho de Eleazar, o sacerdote,

[13] Abantwana bakwa-Israyeli bathuma kubantwana bakwaRubeni nakubantwana bakwaGadi nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase ezweni lakwaGileyadi uFinehasi indodana ka-Eleyazare umpristi,

[14] e dez príncipes com ele, de cada casa paterna um príncipe de todas as tribos de Israel; e cada um era cabeça da casa de seus pais entre os grupos de milhares de Israel.

[14]nezikhulu eziyishumi kanye naye, isikhulu sibe sinye ngendlu kayise ezizweni zonke zakwa-Israyeli, yileso naleso siyinhloko yendlu kayise phakathi kwemindeni yakwa-Israyeli.

[15] Indo eles aos filhos de Rúben, aos filhos de Gade e à meia tribo de Manassés, à terra de Gileade, falaram-lhes, dizendo:

[15]Bafika kubantwana bakwaRubeni nakubantwana bakwaGadi nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase ezweni lakwaGileyadi, bakhuluma kubo, bathi:

[16] Assim diz toda a congregação do SENHOR: Que infidelidade é esta, que cometestes contra o Deus de Israel, deixando, hoje, de seguir o SENHOR, edificando-vos um altar, para vos rebelardes contra o SENHOR?

[16] Isho kanje yonke inhlangano kaJehova, ithi: Isiphambeko sini enisenzile kuNkulunkulu ka-Israyeli ukuba nibuye namuhla ekumlandeleni uJehova ngokuzakhela i-altare, nihlubuke namuhla uJehova.

[17] Acaso, não nos bastou a iniqüidade de Peor, de que até hoje não estamos ainda

[17] Ububi basePeyori buncane yini kithi esingakazihlambululi kubo kuze kube

purificados, posto que houve praga na congregação do SENHOR,

[18] para que, hoje, abandoneis o SENHOR? Se, hoje, vos rebelais contra o SENHOR, amanhã, se irará contra toda a congregação de Israel.

[19] Se a terra da vossa herança é imunda, passai-vos para a terra da possessão do SENHOR, onde habita o tabernáculo do SENHOR, e tomai possessão entre nós; não vos rebeleis, porém, contra o SENHOR, nem vos rebeleis contra nós, edificando-vos altar, afora o altar do SENHOR, nosso Deus.

[20] Não cometeu Acã, filho de Zera, infidelidade no tocante às coisas condenadas? E não veio ira sobre toda a congregação de Israel? Pois aquele homem não morreu sozinho na sua iniqüidade.

[21] Então, responderam os filhos de Rúben, os filhos de Gade e a meia tribo de Manassés e disseram aos cabeças dos grupos de milhares de Israel:

[22] O Poderoso, o Deus, o SENHOR, o Poderoso, o Deus, o SENHOR, ele o sabe, e Israel mesmo o saberá. Se foi em rebeldia ou por infidelidade contra o SENHOR, hoje, não nos preserveis.

[23] Se edificamos altar para nos apartarmos do SENHOR, ou para, sobre ele, oferecermos holocausto e oferta de

namuhla, noma inhlangano kaJehova yehlelwa yisifo,

[18]ukuba nibuye namuhla ekumlandeleni uJehova na? Kuzakuthi uma nihlubuka namuhla uJehova, athukuthelele yonke inhlangano ka-Israyeli kusasa.

[19]Kepha uma izwe lefa lenu lingcolile, welani, niye ezweni lefa likaJehova, lapho lihlala khona itabernakele likaJehova, nibe nefa phakathi kwethu; kepha ningahlubuki uJehova, ningahlubuki futhi kithi ngokuzakhela i-altare ngaphandle kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wethu.

[20] U-Akani indodana kaZera akenzanga yini isiphambeko kukho okuqalekisiweyo, yonke inhlangano yakwa-Israyeli yehlelwa yintukuthelo na? Futhi akafanga yedwa lowo muntu ebubini bakhe.

[21]Abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase baphendula, bakhuluma kuzo izinhloko zemindeni yakwa-Israyeli, bathi:

[22] UNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu, yebo, uNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu, uyakwazi, no-Israyeli futhi uyakukwazi ukuthi uma kwakungokuhlubuka noma kungokuphambuka kuJehova, ungasisindisi namuhla

[23]ngokuthi sizakhele i-altare, sabuya ekumlandeleni uJehova; futhi uma kwakungukuba sinikele phezu kwalo

manjares, ou, sobre ele, fazermos oferta pacífica, o SENHOR mesmo de nós o demande.

ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yempuphu, nokuba sinikele ngemihlatshelo yeminikelo yokuthula phezu kwalo, uJehova uqobo makakubize.

24 Pelo contrário, fizemos por causa da seguinte preocupação: amanhã vossos filhos talvez dirão a nossos filhos: Que tendes vós com o SENHOR, Deus de Israel?

24 Qha, impela senzile lokho ngokunakekela nangesizathu, sathi: Ngesikhathi esizayo abantwana benu bangakhuluma kubantwana bethu ngokuthi: Ninamsebenzi muni noJehova uNkulunkulu ka-Israyeli na?

25 Pois o SENHOR pôs o Jordão por limite entre nós e vós, ó filhos de Rúben e filhos de Gade; não tendes parte no SENHOR; e, assim, bem poderiam os vossos filhos apartar os nossos do temor do SENHOR.

25 UJehova wenzile iJordani umkhawulo phakathi kwethu nani, nina bantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi; aninasabelo kuJehova; abantwana benu bese bebuyisela emuva abantwana bethu ukuba bangabe besamesaba uJehova.

26 Pelo que dissemos: preparemo-nos, edifiquemos um altar, não para holocausto, nem para sacrifício,

26 Sase sithi-ke: Masenze silakhe i-altare, lingabi ngelomnikelo wokushiswa nelomhlatshelo,

27 mas, para que entre nós e vós e entre as nossas gerações depois de nós, nos seja testemunho, e possamos servir ao SENHOR diante dele com os nossos holocaustos, e os nossos sacrifícios, e as nossas ofertas pacíficas; e para que vossos filhos não digam amanhã a nossos filhos: Não tendes parte no SENHOR.

27 kepha libe ngufakazi phakathi kwethu nani naphakathi kwezizukulwane zethu emva kwethu, ukuze senze inkonzo kaJehova phambi kwakhe ngeminikelo yethu yokushiswa, nangemihlatshelo yethu, nangeminikelo yethu yokuthula, ukuba abantwana benu bangasho kubantwana bethu ngesikhathi esizayo ukuthi: Aninasabelo kuJehova.

28 Pelo que dissemos: quando suceder que, amanhã, assim nos digam a nós e às nossas gerações, então, responderemos: vede o modelo do altar do SENHOR que fizeram nossos pais, não para holocausto, nem para sacrifício, mas para testemunho entre nós e vós.

28 Sathi-ke: Kuyakuthi lapho besho kanjalo kithi nakuzo izizukulwane zethu ngesikhathi esizayo, sisho ukuthi: Bhekani isifanekiso se-altare likaJehova abalenzayo obaba, lingabi ngeleminikelo yokushiswa nelemihlatshelo; lingufakazi phakathi kwethu nani.

[29] Longe de nós o rebelarmo-nos contra o SENHOR e deixarmos, hoje, de seguir o SENHOR, edificando altar para holocausto, oferta de manjares ou sacrifício, afora o altar do SENHOR, nosso Deus, que está perante o seu tabernáculo.

[30] Ouvindo, pois, Finéias, o sacerdote, e os príncipes da congregação, e os cabeças dos grupos de milhares de Israel que com ele estavam as palavras que disseram os filhos de Rúben, os filhos de Gade e os filhos de Manassés, deram-se por satisfeitos.

[31] E disse Finéias, filho de Eleazar, o sacerdote, aos filhos de Rúben, aos filhos de Gade e aos filhos de Manassés: Hoje, sabemos que o SENHOR está no meio de nós, porquanto não cometestes infidelidade contra o SENHOR; agora, livrastes os filhos de Israel da mão do SENHOR.

[32] Finéias, filho do sacerdote Eleazar, e os príncipes, deixando os filhos de Rúben e os filhos de Gade, voltaram da terra de Gileade para a terra de Canaã, aos filhos de Israel, e deram-lhes conta de tudo.

[33] Com esta resposta deram-se por satisfeitos os filhos de Israel, os quais bendisseram a Deus; e não falaram mais de subir a pelejar contra eles, para destruírem a terra em que habitavam os filhos de Rúben e os filhos de Gade.

[29] Makube kude nathi ukuba sihlubuke uJehova, sibuye namuhla ekumlandeleni uJehova ngokwakha i-altare leminikelo yokushiswa, neleminikelo yempuphu, nelemihlatshelo, ngaphandle kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wethu eliphambi kwetabernakele lakhe.

[30]Kuthe uFinehasi umpristi, nezikhulu zenhlangano, izinhloko zemindeni yakwa-Israyeli ezazinaye sezizwile amazwi akhulunywa ngabantwana bakwaRubeni, nangabantwana bakwaGadi, nangabantwana bakwaManase, kwaba kuhle emehlweni abo.

[31]UFinehasi indodana ka-Eleyazare umpristi wathi kubantwana bakwaRubeni nakubantwana bakwaGadi nakubantwana bakwaManase: Namuhla siyazi ukuthi uJehova uphakathi kwethu, ngokuba anenzanga lesi siphambeko kuJehova; manje senophulile abantwana bakwa-Israyeli esandleni sikaJehova.

[32]UFinehasi indodana ka-Eleyazare umpristi nezikhulu babuya kubantwana bakwaRubeni nakubantwana bakwaGadi ezweni lakwaGileyadi, bebuyela ezweni laseKhanani kubantwana bakwa-Israyeli, bababuyisela izwi.

[33]Leyo nto yaba nhle emehlweni abantwana bakwa-Israyeli; abantwana bakwa-Israyeli bambonga uNkulunkulu, ababe besasho ukuthi bayakukhuphuka babahlasele, bachithe izwe ababehlala kulo abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi.

[34] Os filhos de Rúben e os filhos de Gade chamaram o altar de Testemunho, porque disseram: É um testemunho entre nós de que o SENHOR é Deus.

Josué 23

Josué exorta o povo a observar a Lei do Senhor

[1] Passado muito tempo depois que o SENHOR dera repouso a Israel de todos os seus inimigos em redor, e sendo Josué já velho e entrado em dias,

[2] chamou Josué a todo o Israel, os seus anciãos, os seus cabeças, os seus juízes e os seus oficiais e disse-lhes: Já sou velho e entrado em dias,

[3] e vós já tendes visto tudo quanto fez o SENHOR, vosso Deus, a todas estas nações por causa de vós, porque o SENHOR, vosso Deus, é o que pelejou por vós.

[4] Vede aqui que vos fiz cair em sorte às vossas tribos estas nações que restam, juntamente com todas as nações que tenho eliminado, umas e outras, desde o Jordão até ao mar Grande, para o pôr-do-sol.

[5] O SENHOR, vosso Deus, as afastará de vós e as expulsará de vossa presença; e vós possuireis a sua terra, como o SENHOR, vosso Deus, vos prometeu.

[6] Esforçai-vos, pois, muito para guardardes e cumprirdes tudo quanto está escrito no Livro da Lei de Moisés, para que dela não vos aparteis, nem para a direita nem para a esquerda;

[34]Abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi balibiza i-altare ngokuthi: Lingufakazi phakathi kwethu wokuthi uJehova unguNkulunkulu.

UJoshuwa 23

UJoshuwa uyala abantu

[1]Kwathi emva kwezinsuku eziningi, lapho uJehova esephumuzile u-Israyeli ezitheni zabo zonke nxazonke, uJoshuwa esemdala eneminyaka eminingi,

[2] uJoshuwa wabiza wonke u-Israyeli, amalunga akhe, nezinhloko zakhe, nabahluleli bakhe, nezinduna zakhe, wathi kubo: Sengimdala ngineminyaka eminingi;

[3] nibonile konke uJehova uNkulunkulu wenu akwenzile kuzo zonke lezi zizwe ngenxa yenu, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu nguye onilweleyo.

[4]Bhekani, nginabele lezi zizwe eziseleyo zibe yifa lezizwe zenu, kusukela eJordani, kanye nezizwe zonke engizinqumileyo, kuze kufike eLwandle Olukhulu ngasentshonalanga.

[5] UJehova uNkulunkulu wenu uyakuzixosha ngaphambi kwenu, azidungule ebusweni benu, nilidle izwe lazo, njengalokho ebekhuluma uJehova uNkulunkulu wenu kini.

[6] Yimani kakhulu isibindi ukugcina nokwenza konke okulotshiwe encwadini yomthetho kaMose, ukuze ningachezuki kukho ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo,

[7] para que não vos mistureis com estas nações que restaram entre vós. Não façais menção dos nomes de seus deuses, nem por eles façais jurar, nem os sirvais, nem os adoreis.

[8] Mas ao SENHOR, vosso Deus, vos apegareis, como fizestes até ao dia de hoje;

[9] pois o SENHOR expulsou de diante de vós grandes e fortes nações; e, quanto a vós outros, ninguém vos resistiu até ao dia de hoje.

[10] Um só homem dentre vós perseguirá mil, pois o SENHOR, vosso Deus, é quem peleja por vós, como já vos prometeu.

[11] Portanto, empenhai-vos em guardar a vossa alma, para amardes o SENHOR, vosso Deus.

[12] Porque, se dele vos desviardes e vos apegardes ao restante destas nações ainda em vosso meio, e com elas vos aparentardes, e com elas vos misturardes, e elas convosco,

[13] sabei, certamente, que o SENHOR, vosso Deus, não expulsará mais estas nações de vossa presença, mas vos serão por laço e rede, e açoite às vossas ilhargas, e espinhos aos vossos olhos, até que pereçais nesta boa terra que vos deu o SENHOR, vosso Deus.

[14] Eis que, já hoje, sigo pelo caminho de todos os da terra; e vós bem sabeis de todo o vosso coração e de toda a vossa alma que nem uma só promessa caiu de todas as

[7] ukuba ningangeni kulezo zizwe ezisele phakathi kwenu, ningabizi amagama awonkulunkulu bazo, ningabafungi, ningabakhonzi, ningabakhothameli,

[8]kepha ninamathele kuJehova uNkulunkulu wenu, njengalokho nenzile kuze kube namuhla.

[9] Ngokuba uJehova uxoshile ngaphambi kwenu izizwe ezinkulu ezinamandla, kepha nina, akukho muntu omile phambi kwenu kuze kube namuhla.

[10] Umuntu oyedwa uxoshile inkulungwane, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu nguye onilwelayo, njengalokho ebekhuluma kini.

[11]Qaphelisisani ukuba nimthande uJehova uNkulunkulu wenu.

[12] Ngokuba uma nibuyela emuva, ninamathele ensalini yalezo zizwe, zona lezi ezisele phakathi kwenu, niganiselane nazo, ningene kuzo, nazo kini,

[13] yazini nokwazi ukuthi uJehova uNkulunkulu akasayikuzixosha lezo zizwe phambi kwenu, kepha zoba lugibe nesihibe kini, nenkalivasi ezinhlangothini zenu, nameva emehlweni enu, nize nibhubhe kuleli zwe elihle uJehova uNkulunkulu wenu aninike lona.

[14] Bhekani, namuhla ngiyahamba indlela yomhlaba wonke; niyazi ezinhliziyweni zenu zonke nasemiphefumulweni yenu yonke ukuthi akuphuthanga nento

boas palavras que falou de vós o SENHOR, vosso Deus; todas vos sobrevieram, nem uma delas falhou.

[15] E sucederá que, assim como vieram sobre vós todas estas boas coisas que o SENHOR, vosso Deus, vos prometeu, assim cumprirá o SENHOR contra vós outros todas as ameaças até vos destruir de sobre a boa terra que vos deu o SENHOR, vosso Deus.

[16] Quando violardes a aliança que o SENHOR, vosso Deus, vos ordenou, e fordes, e servirdes a outros deuses, e os adorardes, então, a ira do SENHOR se acenderá sobre vós, e logo perecereis na boa terra que vos deu.

Josué 24

Josué despede-se do povo

[1] Depois, reuniu Josué todas as tribos de Israel em Siquém e chamou os anciãos de Israel, os seus cabeças, os seus juízes e os seus oficiais; e eles se apresentaram diante de Deus.

[2] Então, Josué disse a todo o povo: Assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Antigamente, vossos pais, Tera, pai de Abraão e de Naor, habitaram dalém do Eufrates e serviram a outros deuses.

[3] Eu, porém, tomei Abraão, vosso pai, dalém do rio e o fiz percorrer toda a terra de Canaã; também lhe multipliquei a descendência e lhe dei Isaque.

eyodwa kuzo zonke izinto ezinhle azikhuluma uJehova uNkulunkulu wenu ngani; kwenziwa konke kini, akuphuthanga nento eyodwa kukho.

[15] Kuyakuthi njengalokho zonke izinto ezinhle zenziwe kini akhuluma ngazo uJehova uNkulunkulu wenu kini, kanjalo uJehova ehlisele phezu kwenu zonke izinto ezimbi, aze anibhubhise kuleli zwe elihle uJehova uNkulunkulu wenu aninike lona.

[16] Uma neqa isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu akuyala ngaso, niye nikhonze abanye onkulunkulu, nibakhothamele, intukuthelo kaJehova iyakunivuthela, nibhubhe masinyane ezweni elihle aninike lona.

UJoshuwa 24

Inkulumo yokugcina kaJoshuwa

[1] UJoshuwa wabutha zonke izizwe zakwa-Israyeli eShekemi, wabiza amalunga akwa-Israyeli, nezinhloko zakhe, nabahluleli bakhe, nezinduna zakhe, bema phambi kukaNkulunkulu.

[2] UJoshuwa wathi kubantu bonke: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Oyihlo bahlala endulo ngaphesheya koMfula, uThera uyise ka-Abrahama noyise kaNahori, bakhonza abanye onkulunkulu.

[3]Ngamthatha uyihlo u-Abrahama ngaphesheya koMfula, ngamhambisa ezweni lonke laseKhanani, ngayandisa inzalo yakhe, ngamupha u-Isaka.

[4] A Isaque dei Jacó e Esaú e a Esaú dei em possessão as montanhas de Seir; porém Jacó e seus filhos desceram para o Egito.

[5] Então, enviei Moisés e Arão e feri o Egito com o que fiz no meio dele; e, depois, vos tirei de lá.

[6] Tirando eu vossos pais do Egito, viestes ao mar; os egípcios perseguiram vossos pais, com carros e com cavaleiros, até ao mar Vermelho.

[7] E, clamando vossos pais, o SENHOR pôs escuridão entre vós e os egípcios, e trouxe o mar sobre estes, e o mar os cobriu; e os vossos olhos viram o que eu fiz no Egito. Então, habitastes no deserto por muito tempo.

[8] Daí eu vos trouxe à terra dos amorreus, que habitavam dalém do Jordão, os quais pelejaram contra vós outros; porém os entreguei nas vossas mãos, e possuístes a sua terra; e os destruí diante de vós.

[9] Levantou-se, também, o rei de Moabe, Balaque, filho de Zipor, e pelejou contra Israel; mandou chamar Balaão, filho de Beor, para que vos amaldiçoasse.

[10] Porém eu não quis ouvir Balaão; e ele teve de vos abençoar; e, assim, vos livrei da sua mão.

[11] Passando vós o Jordão e vindo a Jericó, os habitantes de Jericó pelejaram contra vós outros e também os amorreus, os ferezeus, os cananeus, os heteus, os girgaseus, os heveus e os jebuseus; porém os entreguei nas vossas mãos.

[4] Ngamupha u-Isaka oJakobe no-Esawu; ngamnika u-Esawu intaba yaseSeyiri ukuba ayidle; uJakobe nabantwana bakhe behlela eGibithe.

[5] Ngathuma oMose no-Aroni, ngahlupha iGibithe ngalokho engakwenza phakathi kwalo; ngasemuva nganikhipha.

[6] Ngakhipha oyihlo eGibithe; nafika elwandle; abaseGibithe babaxosha oyihlo ngezinqola nangabamahhashi, baze bafika eLwandle Olubomvu.

[7]Lapho bekhala kuJehova, wabeka ubumnyama phakathi kwenu nabaseGibithe, waluhambisa ulwandle phezu kwabo, wabasibekela; amehlo enu abona engakwenzayo eGibithe; nahlala ehlane izinsuku eziningi.

[8] Nganingenisa ezweni lama-Amori ahlala ngaphesheya kweJordani, alwa nani; ngawanikela esandleni senu, nadla izwe lawo; ngawachitha phambi kwenu.

[9] Kwase kuvuka uBalaki indodana kaSipori, inkosi yakwaMowabi, walwa no-Israyeli; wathuma wabiza uBileyamu indodana kaBeyori ukuba aniqalekise,

[10]kepha angithandanga ukumlalela uBileyamu, kodwa kakhulu wanibusisa, nganophula esandleni sakhe.

[11] Nase niwela iJordani, nafika eJeriko; amadoda aseJeriko alwa nani, nama-Amori, namaPherizi, namaKhanani, namaHeti, namaGirigashi, namaHivi, namaJebusi, ngawanikela esandleni senu.

[12] Enviei vespões adiante de vós, que os expulsaram da vossa presença, bem como os dois reis dos amorreus, e isso não com a tua espada, nem com o teu arco.
[13] Dei-vos a terra em que não trabalhastes e cidades que não edificastes, e habitais nelas; comeis das vinhas e dos olivais que não plantastes.

Renovação da aliança

[14] Agora, pois, temei ao SENHOR e servi-o com integridade e com fidelidade; deitai fora os deuses aos quais serviram vossos pais dalém do Eufrates e no Egito e servi ao SENHOR.

[15] Porém, se vos parece mal servir ao SENHOR, escolhei, hoje, a quem sirvais: se aos deuses a quem serviram vossos pais que estavam dalém do Eufrates ou aos deuses dos amorreus em cuja terra habitais. Eu e a minha casa serviremos ao SENHOR.

[16] Então, respondeu o povo e disse: Longe de nós o abandonarmos o SENHOR para servirmos a outros deuses;
[17] porque o SENHOR é o nosso Deus; ele é quem nos fez subir, a nós e a nossos pais, da terra do Egito, da casa da servidão, quem fez estes grandes sinais aos nossos olhos e nos guardou por todo o caminho em que andamos e entre todos os povos pelo meio dos quais passamos.
[18] O SENHOR expulsou de diante de nós todas estas gentes, até o amorreu, morador da terra; portanto, nós também

[12] Ngathuma iminyovu phambi kwenu eyawaxosha phambi kwenu amakhosi omabili ama-Amori, kungengankemba yakho noma ngomnsalo wakho.
[13]Nganinika izwe eningakhandlekanga kulo, nemizi eningayakhanga nihlala nokho kuyo; niyadla ezivinini naseminqumeni eningakutshalanga.

[14] Manje yesabani uJehova, nimkhonze ngobuqotho nangeqiniso, nisuse onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo phesheya koMfula naseGibithe, nimkhonze uJehova.
[15]Uma kukubi emehlweni enu ukumkhonza uJehova, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza, noma onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo besengaphesheya koMfula, noma onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo; kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uJehova.
[16]Abantu baphendula bathi: Makube kude nathi ukumshiya uJehova ukuba sikhonze abanye onkulunkulu,
[17]ngokuba uJehova uNkulunkulu wethu nguye owasikhuphula thina nawobaba ezweni laseGibithe, indlu yobugqila, nowazenza lezo zibonakaliso emehlweni ethu, wasilondoloza endleleni yonke esahamba ngayo, naphakathi kwabo bonke abantu esadlula phakathi kwabo.
[18]UJehova waxosha phambi kwethu bonke abantu, nama-Amori futhi ayehlala ezweni; ngalokho nathi siyakumkhonza

serviremos ao SENHOR, pois ele é o nosso Deus.

[19] Então, Josué disse ao povo: Não podereis servir ao SENHOR, porquanto é Deus santo, Deus zeloso, que não perdoará a vossa transgressão nem os vossos pecados.

[20] Se deixardes o SENHOR e servirdes a deuses estranhos, então, se voltará, e vos fará mal, e vos consumirá, depois de vos ter feito bem.

[21] Então, disse o povo a Josué: Não; antes, serviremos ao SENHOR.

[22] Josué disse ao povo: Sois testemunhas contra vós mesmos de que escolhestes o SENHOR para o servir. E disseram: Nós o somos.

[23] Agora, pois, deitai fora os deuses estranhos que há no meio de vós e inclinai o coração ao SENHOR, Deus de Israel.

[24] Disse o povo a Josué: Ao SENHOR, nosso Deus, serviremos e obedeceremos à sua voz.

[25] Assim, naquele dia, fez Josué aliança com o povo e lha pôs por estatuto e direito em Siquém.

A pedra-testemunha

[26] Josué escreveu estas palavras no Livro da Lei de Deus; tomou uma grande pedra e a erigiu ali debaixo do carvalho que estava em lugar santo do SENHOR.

[27] Disse Josué a todo o povo: Eis que esta pedra nos será testemunha, pois ouviu

uJehova, ngokuba unguNkulunkulu wethu.

[19] UJoshuwa wathi kubantu: Aninakumkhonza uJehova, ngokuba unguNkulunkulu ongcwele; unguNkulunkulu onomhawu, akayikuthethelela iziphambeko zenu nezono zenu.

[20] Uma nimshiya uJehova, nikhonze onkulunkulu babezizwe, uyakuphenduka, anenzele okubi, aniqede esenenzele okuhle.

[21]Kepha abantu bathi kuJoshuwa: Qha, ngokuba siyakumkhonza uJehova.

[22]Wayesethi uJoshuwa kubantu: Nina ningofakazi benu bokuthi nizikhethele uJehova ukuba nimkhonze yena. Bathi: Singofakazi.

[23] Wathi: Susani manje onkulunkulu babezizwe abaphakathi kwenu, nithobele izinhliziyo zenu kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

[24]Abantu bathi kuJoshuwa: UJehova uNkulunkulu wethu siyakumkhonza, sililalele izwi lakhe.

[25]UJoshuwa wayesenza isivumelwano nabantu ngalolo suku, wabamisela isimiso nomthetho eShekemi.

[26] UJoshuwa waloba lawo mazwi encwadini yomthetho kaNkulunkulu, wathatha itshe elikhulu, walimisa lapho phansi kwe-oki elingasendlini engcwele kaJehova.

[27]Wayesethi uJoshuwa kubo abantu bonke: Bhekani, leli tshe liyakuba

todas as palavras que o SENHOR nos tem dito; portanto, será testemunha contra vós outros para que não mintais a vosso Deus.

ngufakazi ngathi, ngokuba lizwile onke amazwi kaJehova awakhuluma kithi; ngalokho liyakuba ngufakazi ngani, funa nimphike uNkulunkulu wenu.

28 Então, Josué despediu o povo, cada um para a sua herança.

28 UJoshuwa wayesebamukisa abantu, yilowo nalowo waya efeni lakhe.

A morte de Josué e de Eleazar

Juízes 2.6-9

29 Depois destas coisas, sucedeu que Josué, filho de Num, servo do SENHOR, faleceu com a idade de cento e dez anos.

29 Kwathi emva kwalezo zinto uJoshuwa indodana kaNuni, inceku kaJehova, wafa eneminyaka eyikhulu neshumi.

30 Sepultaram-no na sua própria herança, em Timnate-Sera, que está na região montanhosa de Efraim, para o norte do monte Gaás.

30 Bammbela emkhawulweni wefa lakhe eThimnati Sera elisezintabeni zakwa-Efrayimi ngasenyakatho kwentaba yakwaGahashi.

31 Serviu, pois, Israel ao SENHOR todos os dias de Josué e todos os dias dos anciãos que ainda sobreviveram por muito tempo depois de Josué e que sabiam todas as obras feitas pelo SENHOR a Israel.

31U-Israyeli wamkhonza uJehova zonke izinsuku zikaJoshuwa nazo zonke izinsuku zamalunga ayekhona izinsuku ezithile emva kukaJoshuwa, ayeyazi yonke imisebenzi kaJehova ayeyenzele u-Israyeli.

32 Os ossos de José, que os filhos de Israel trouxeram do Egito, enterraram-nos em Siquém, naquela parte do campo que Jacó comprara aos filhos de Hamor, pai de Siquém, por cem peças de prata, e que veio a ser a herança dos filhos de José.

32 Amathambo kaJosefa akhushulwa eGibithe ngabantwana bakwa-Israyeli, bawembela eShekemi esiqeshini sezwe asithengayo uJakobe kumadodana kaHamori uyise kaShekemi ngamakesita ayikhulu, laba ifa labantwana bakwaJosefa.

33 Faleceu também Eleazar, filho de Arão, e o sepultaram em Gibeá, pertencente a Finéias, seu filho, a qual lhe fora dada na região montanhosa de Efraim.

33U-Eleyazare indodana ka-Aroni wafa; bammbela egqumeni likaFinehasi indodana yakhe, abenikiwe lona ezintabeni zakwa-Efrayimi.

Juízes	AbAhluleli

Juízes 1

A Guerra contra os Cananeus Restantes

[1]Depois da morte de Josué, os israelitas perguntaram ao Senhor: “Quem de nós será o primeiro a atacar os cananeus?”

[2]O Senhor respondeu: “Judá será o primeiro; eu entreguei a terra em suas mãos”.

[3]Então os homens de Judá disseram aos seus irmãos de Simeão: “Venham conosco ao território que nos foi designado por sorteio, e lutemos contra os cananeus. Iremos juntos para o território”. E os homens de Simeão foram com eles.

[4]Quando os homens de Judá atacaram, o Senhor entregou os cananeus e os ferezeus nas mãos deles, e eles mataram dez mil homens em Bezeque.

[5]Foi lá que encontraram Adoni-Bezeque, lutaram contra ele e derrotaram os cananeus e os ferezeus.

[6]Adoni-Bezeque fugiu, mas eles o perseguiram e o prenderam, e lhe cortaram os polegares das mãos e dos pés.

[7]Então Adoni-Bezeque disse: “Setenta reis com os polegares das mãos e dos pés cortados apanhavam migalhas debaixo da minha mesa. Agora Deus me retribuiu aquilo que lhes fiz”. Eles o levaram para Jerusalém, onde morreu.

AbAhluleli 1

Ukulwa kwabakwa-Israyeli namaKhanani, esefile uJoshuwa

[1] Kwathi emva kokufa kukaJoshuwa abantwana bakwa-Israyeli bambuza uJehova, bathi: Ngubani phakathi kwethu oyakusikhuphukelela kuwo amaKhanani kuqala ukulwa nawo na?

[2]UJehova wathi: Kuyakukhuphuka uJuda; bheka, ngilinikele izwe esandleni sakhe.

[3]UJuda wayesethi kuSimeyoni umfowabo: Khuphuka nami, siye esabelweni sami, silwe namaKhanani, nami ngiye esabelweni sakho. USimeyoni wayesehamba naye.

[4]UJuda wakhuphuka; uJehova wanikela esandleni sabo amaKhanani namaPherizi, babulala kuwo abantu abayizinkulungwane eziyishumi eBezeki.

[5]EBezeki bafumana u-Adoni Bezeki, balwa naye, bawabulala amaKhanani namaPherizi.

[6]Kepha u-Adoni Bezeki wabaleka; bamxosha, bambamba, bamnquma izithupha nawoqukula.

[7] Wayesethi u-Adoni Bezeki: Amakhosi angamashumi ayisikhombisa enqunyiwe izithupha nawoqukula acosha ukudla kwawo phansi kwetafula lami; njengalokho ngenzile, kanjalo uNkulunkulu uphindisele kimi. Bamyisa eJerusalema, wafela khona.

[8]Os homens de Judá atacaram também Jerusalém e a conquistaram. Mataram seus habitantes ao fio da espada e a incendiaram.

[9]Depois disso eles desceram para lutar contra os cananeus que viviam na serra, no Neguebe e na Sefelá.

[10]Avançaram contra os cananeus que viviam em Hebrom, anteriormente chamada Quiriate-Arba, e derrotaram Sesai, Aimã e Talmai.

[11]Dali avançaram contra o povo que morava em Debir, anteriormente chamada Quiriate-Sefer.

[12]E disse Calebe: “Darei minha filha Acsa em casamento ao homem que atacar e conquistar Quiriate-Sefer”.

[13]Otoniel, filho de Quenaz, irmão mais novo de Calebe, conquistou a cidade; por isso Calebe lhe deu sua filha Acsa por mulher.

[14]Um dia, quando já vivia com Otoniel, ela o persuadiu a pedir um campo ao pai dela. Assim que ela desceu do jumento, Calebe lhe perguntou: “O que você quer?”

[15]Ela respondeu: “Dê-me um presente. Já que o senhor me deu terras no Neguebe, dê-me também fontes de água”. E Calebe lhe deu as fontes superiores e as inferiores.

[16]Os descendentes do sogro de Moisés, o queneu, saíram da Cidade das Palmeiras com os homens de Judá e passaram a viver no meio do povo do

[8]Abantwana bakwaJuda balwa neJerusalema, balithatha, balichitha ngosiko lwenkemba, bathungela umuzi ngomlilo.

[9]Ngasemuva behla abantwana bakwaJuda ukuba balwe namaKhanani ayakhe ezintabeni, nangaseningizimu, nasenzansi.

[10] UJuda wayesehlasela amaKhanani ayakhe eHebroni igama leHebroni laliyiKiriyati Araba kuqala babulala oSheshayi, no-Ahimani, noTalimayi.

[11] Wasuka lapho, waya kwabakhe eDebiri; igama leDebiri laliyiKiriyati Seferi kuqala.

[12]UKalebi wathi: Onqoba iKiriyati Seferi, alithathe, yena ngiyakumnika u-Akisa indodakazi yami abe ngumkakhe.

[13]U-Otheniyeli indodana kaKenazi, umnawe kaKalebi, walithatha; wayesemnika u-Akisa indodakazi yakhe abe ngumkakhe.

[14]Kwathi ekufikeni kwakhe wamnxusa ukuba acele insimu kuyise; wehla embongolweni yakhe; uKalebi wathi kuye: Ukhala ngani?

[15]Wathi kuye: Ngiphe isipho; lokhu unginike izwe laseningizimu ngiphe nemithombo yamanzi. UKalebi wamupha imithombo yasenhla nemithombo yasenzansi.

[16] Abantwana bomKheni umukhwe kaMose benyuka emzini wamasundu nabantwana bakwaJuda, baya ehlane

deserto de Judá, no Neguebe, perto de Arade.

[17]Depois os homens de Judá foram com seus irmãos de Simeão e derrotaram os cananeus que viviam em Zefate e destruíram totalmente a cidade. Por essa razão ela foi chamada Hormá.

[18]Os homens de Judá também conquistaram Gaza, Ascalom e Ecrom, com os seus territórios.

[19]O Senhor estava com os homens de Judá. Eles ocuparam a serra central, mas não conseguiram expulsar os habitantes dos vales, pois estes possuíam carros de guerra feitos de ferro.

[20]Conforme Moisés havia prometido, Hebrom foi dada a Calebe, que expulsou de lá os três filhos de Enaque.

[21]Já os benjamitas deixaram de expulsar os jebuseus que estavam morando em Jerusalém. Os jebuseus vivem ali com os benjamitas até o dia de hoje.

[22]Os homens das tribos de José, por sua vez, atacaram Betel, e o Senhor estava com eles.

[23]Enviaram espias a Betel, anteriormente chamada Luz.

[24]Quando os espias viram um homem saindo da cidade, disseram-lhe: “Mostre-nos como entrar na cidade, e nós pouparemos a sua vida”.

[25]Ele mostrou como entrar, e eles mataram os habitantes da cidade ao fio da espada,

lakwaJuda elingaseningizimu kwase-Aradi; baya bakha nabantu bakhona.

[17] UJuda wahamba noSimeyoni umfowabo, bachitha amaKhanani ayakhe eSefati, baliqothula. Igama lomuzi laliyiHorma.

[18]UJuda wathatha iGaza nomkhawulo walo, ne-Ashikeloni nomkhawulo walo, ne-Ekroni nomkhawulo walo.

[19] UJehova wayenaye uJuda, waxosha abasezintabeni; wayengenakuxosha kodwa abakhe esigodini, lokhu bebenezinqola zensimbi.

[20]Bamnika uKalebi iHebroni, njengalokho ebekhulumile uMose; waxosha khona amadodana amathathu ka-Anaki.

[21]Abantwana bakwaBenjamini abawaxoshanga amaJebusi ayakhe eJerusalema, kepha amaJebusi ahlala nabantwana bakwaBenjamini eJerusalema kuze kube namuhla.

[22]Kwenyukela eBethele nabendlu kaJosefa; uJehova wayenabo.

[23]Abendlu kaJosefa bathuma bahlola iBethele; igama lomuzi laliyiLuze kuqala.

[24]Zase zibona izinhloli umuntu ephuma emzini, zathi kuye: Ake usikhombise intuba yokungena emzini, siyakukwenzela umusa.

[25]Wazikhombisa intuba yokungena emzini, zawuchitha umuzi ngosiko

mas pouparam o homem e toda a sua família.

[26]Ele foi, então, para a terra dos hititas, onde fundou uma cidade e lhe deu o nome de Luz, que é o seu nome até o dia de hoje.

[27]Manassés, porém, não expulsou o povo de Bete-Seã, o de Taanaque, o de Dor, o de Ibleã, o de Megido, nem tampouco o dos povoados ao redor dessas cidades, pois os cananeus estavam decididos a permanecer naquela terra.

[28]Quando Israel se tornou forte, impôs trabalhos forçados aos cananeus, mas não os expulsou completamente.

[29]Efraim também não expulsou os cananeus que viviam em Gezer, mas os cananeus continuaram a viver entre eles.

[30]Nem Zebulom expulsou os cananeus que viviam em Quitrom e em Naalol, mas estes permaneceram entre eles e foram submetidos a trabalhos forçados.

[31]Nem Aser expulsou os que viviam em Aco, Sidom, Alabe, Aczibe, Helba, Afeque e Reobe,

[32]e, por esse motivo, o povo de Aser vivia entre os cananeus que habitavam naquela terra.

[33]Nem Naftali expulsou os que viviam em Bete-Semes e em Bete-Anate; mas o povo de Naftali também vivia entre os cananeus que habitavam a terra, e aqueles que

lwenkemba; kepha zamvumela lowo muntu nomndeni wakhe ukuba bahambe.

[26] Lowo muntu wayesengena ezweni lamaHeti, wakha umuzi, waqamba igama lawo ngokuthi iLuze okuyigama lawo kuze kube namuhla.

[27] UManase akaxoshanga abaseBeti Sheyani nemizana yalo, nabaseThahanaki nemizana yalo, nabakhe eDori nemizana yalo, nabakhe eJibileyamu nemizana yalo, nabakhe eMegido nemizana yalo; amaKhanani aphumelela ukuhlala kulelo zwe.

[28]Kwathi u-Israyeli esenamandla, bawasebenzisa amaKhanani, kepha abawaxoshanga nokuwaxosha.

[29]Naye u-Efrayimi akaxoshanga amaKhanani ayakhe eGezeri; kepha amaKhanani ahlala phakathi kwabo eGezeri.

[30]UZebuloni akaxoshanga abakhe eKitroni, nabakhe eNahaloli; kepha amaKhanani ahlala phakathi kwabo, asetshenziswa.

[31]U-Asheri akaxoshanga abakhe e-Ako, nabakhe eSidoni, nase-Ahlabi, nase-Akizibi, naseHelba, nase-Afiki, naseRehobe;

[32]kepha ama-Asheri ahlala phakathi kwamaKhanani ayakhe kulelo zwe, ngokuba abawaxoshanga.

[33]UNafetali akaxoshanga abakhe eBeti Shemeshi nabakhe eBeti Anati, kepha wahlala phakathi kwamaKhanani ayakhe

viviam em Bete-Semes e em Bete-Anate passaram a fazer trabalhos forçados para eles.

kulelo zwe; kodwa abakhe eBeti Shemeshi naseBeti Anati basetshenziswa yibo.

[34]Os amorreus confinaram a tribo de Dã à serra central, não permitindo que descessem ao vale.

[34]Ama-Amori adudulela abantwana bakwaDani ezintabeni, ngokuba awabavumelanga ukwehlela esigodini.

[35]E os amorreus igualmente estavam decididos a resistir no monte Heres, em Aijalom e em Saalbim, mas, quando as tribos de José ficaram mais poderosas, eles também foram submetidos a trabalhos forçados.

[35]Kepha ama-Amori aphumelela ukuhlala entabeni yaseHeresi, nase-Ajaloni, naseShahalabimi; kodwa isandla sendlu kaJosefa sahlula, aze asetshenziswa.

[36]A fronteira dos amorreus ia da subida de Acrabim até Selá, e mais adiante.

[36]Umkhawulo wama-Amori wasukela ekwenyukeni kwe-Akarabimi naseSela, waya ngenhla njalo.

Juízes 2

O Anjo do Senhor em Boquim

[1]O Anjo do Senhor subiu de Gilgal a Boquim e disse: "Tirei vocês do Egito e os trouxe para a terra que prometi com juramento dar a seus antepassados. Eu disse: Jamais quebrarei a minha aliança com vocês.

[2]E vocês não farão acordo com o povo desta terra, mas demolirão os seus altares. Por que vocês não me obedeceram?

[3]Portanto, agora digo a vocês que não os expulsarei da presença de vocês; eles serão seus adversários, e os deuses deles serão uma armadilha para vocês".

[4]Quando o Anjo do Senhor acabou de falar a todos os israelitas, o povo chorou em alta voz,

AbAhluleli 2

Ukujeziswa kokungalaleli kwabakwa-Israyeli

[1] Ingelosi kaJehova yakhuphuka eGiligali, yaya eBokimi. Yathi: Nganikhuphula eGibithe, nginilethile ezweni engalifungela oyihlo; ngathi: Angisoze ngaphula kuze kube phakade isivumelwano sami nani,

[2]kepha aniyikwenza sivumelwano nabakhe kuleli zwe; niyakudiliza ama-altare abo. Kodwa anililalelanga izwi lami. Nenzeleni lokho na?

[3]Ngalokho ngithi manje: Angiyikubaxosha phambi kwenu, kepha bayakuba sezinhlangothini zenu, onkulunkulu babo babe lugibe kini.

[4]Kwathi ingelosi kaJehova isikhulumile lawo mazwi kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, abantu badazuluka, bakhala.

[5]e ao lugar chamaram Boquim. Ali ofereceram sacrifícios ao Senhor.

Desobediência e Derrota

[6]Depois que Josué despediu os israelitas, eles saíram para ocupar a terra, cada um a sua herança.

[7]O povo prestou culto ao Senhor durante toda a vida de Josué e dos líderes que sobreviveram a Josué e que tinham visto todos os grandes feitos do Senhor em favor de Israel.

[8]Josué, filho de Num, servo do Senhor, morreu com a idade de cento e dez anos.

[9]Foi sepultado na terra de sua herança, em Timnate-Heres, nos montes de Efraim, ao norte do monte Gaás.

[10]Depois que toda aquela geração foi reunida a seus antepassados, surgiu uma nova geração que não conhecia o Senhor e o que ele havia feito por Israel.

[11]Então os israelitas fizeram o que o Senhor reprova e prestaram culto aos baalins.

[12]Abandonaram o Senhor, o Deus dos seus antepassados, que os havia tirado do Egito, e seguiram e adoraram vários deuses dos povos ao seu redor, provocando a ira do Senhor.

[13]Abandonaram o Senhor e prestaram culto a Baal e a Astarote.

[5]Baqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBokimi, bahlabela uJehova khona.

[6] UJoshuwa esemukisile abantu, abantwana bakwa-Israyeli bahamba, yilowo nalowo waya efeni lakhe ukuba balidle izwe.

[7] Abantu bamkhonza uJehova izinsuku zonke zikaJoshuwa nezinsuku zonke zamalunga asalayo emva kukaJoshuwa, ayebonile wonke umsebenzi omkhulu ayewenzele u-Israyeli.

[8] UJoshuwa indodana kaNuni, inceku kaJehova, wafa eneminyaka eyikhulu neshumi.

[9]Bammbela emkhawulweni wefa lakhe eThimnati Heresi ezintabeni zakwa-Efrayimi ngasenyakatho kwentaba yakwaGahashi.

[10] Naso sonke leso sizukulwane sabuthelwa koyise; savela esinye isizukulwane emva kwaso esasingamazi uJehova nomsebenzi ayewenzele u-Israyeli.

[11] Abantwana bakwa-Israyeli benza okubi emehlweni kaJehova, bakhonza oBali;

[12]bamshiya uJehova uNkulunkulu wawoyise owabakhipha ezweni laseGibithe, balandela abanye onkulunkulu, onkulunkulu babantu ababebazungeza, babakhothamela, bamcunula uJehova.

[13] Bamshiya-ke uJehova, bakhonza oBali no-Ashitaroti.

[14]A ira do Senhor se acendeu contra Israel, e ele os entregou nas mãos de invasores que os saquearam. Ele os entregou aos inimigos ao seu redor, aos quais já não conseguiam resistir.

[15]Sempre que os israelitas saíam para a batalha, a mão do Senhor era contra eles para derrotá-los, conforme havia advertido e jurado a vocês. Grande angústia os dominava.

[16]Então o Senhor levantou juízes, que os libertaram das mãos daqueles que os atacavam.

[17]Mesmo assim eles não quiseram ouvir os juízes, antes se prostituíram com outros deuses e os adoraram. Ao contrário dos seus antepassados, logo se desviaram do caminho pelo qual os seus antepassados tinham andado, o caminho da obediência aos mandamentos do Senhor.

[18]Sempre que o Senhor lhes levantava um juiz, ele estava com o juiz e os salvava das mãos de seus inimigos enquanto o juiz vivia; pois o Senhor tinha misericórdia por causa dos gemidos deles diante daqueles que os oprimiam e os afligiam.

[19]Mas, quando o juiz morria, o povo voltava a caminhos ainda piores do que os caminhos dos seus antepassados, seguindo outros deuses, prestando-lhes culto e adorando-os. Recusavam-se a abandonar suas práticas e seu caminho obstinado.

[14]Intukuthelo kaJehova yavuthela abakwa-Israyeli, wabanikela esandleni sabaphangi ababaphanga, wathengisa ngabo esandleni sezitha zabo nxazonke. Ababe besaba nakuma phambi kwezitha zabo.

[15] Nomaphi lapho bephumela khona, isandla sikaJehova sasimelene nabo sibenzela okubi njengokukhuluma kukaJehova nanjengokufunga kukaJehova kubo; bantula kakhulu.

[16] UJehova wavusa abahluleli ababasindisa esandleni sababaphangayo.

[17]Nabahluleli ababalalelanga, ngokuba baya baphinga nabanye onkulunkulu, babakhothamela; baphambuka masinyane endleleni abahamba ngayo oyise, belalela imiyalo kaJehova; bona abenzanga njalo.

Isimo sesikhathi sabahluleli

[18] Lapho uJehova ebavusela abahluleli, uJehova wayenaye umahluleli, wabasindisa esandleni sezitha zabo izinsuku zonke zomahluleli, ngokuba uJehova waba nesihe ngokubulawa kwabo ngenxa yababacindezelayo nababakhathazayo.

[19]Kepha kwathi ekufeni komahluleli babuyela emuva, bona kakhulu kunawoyise, ngokulandela abanye onkulunkulu ukuba babakhonze, babakhothamele; abayekanga izenzo zabo nendlela yabo yenkani.

[20]Por isso a ira do Senhor acendeu-se contra Israel, e ele disse: “Como este povo violou a aliança que fiz com os seus antepassados e não tem ouvido a minha voz,

[21]não expulsarei de diante dele nenhuma das nações que Josué deixou quando morreu.

[22]Eu as usarei para pôr Israel à prova e ver se guardará o caminho do Senhor e se andará nele como o fizeram os seus antepassados”.

[23]O Senhor havia permitido que essas nações permanecessem; não as expulsou de imediato e não as entregou nas mãos de Josué.

Juízes 3

[1]São estas as nações que o Senhor deixou para pôr à prova todos os israelitas que não tinham visto nenhuma das guerras em Canaã

[2](fez isso apenas para treinar na guerra os descendentes dos israelitas, pois não tinham tido experiência anterior de combate):

[3]os cinco governantes dos filisteus, todos os cananeus, os sidônios e os heveus que viviam nos montes do Líbano, desde o monte Baal-Hermom até Lebo-Hamate.

[4]Essas nações foram deixadas para que por elas os israelitas fossem postos à prova, se obedeceriam aos mandamentos que o Senhor dera aos seus antepassados por meio de Moisés.

[20]Intukuthelo kaJehova yavuthela u-Israyeli, wathi: Ngokuba lesi sizwe seqile isivumelwano sami engabayala ngaso oyise, singalalelanga izwi lami,

[21]angiyikuphinda ngixoshe phambi kwabo noyedwa walezo zizwe azishiyayo uJoshuwa ekufeni kwakhe,

[22] ukuze ngivivinye ngazo u-Israyeli, uma beyakugcina indlela kaJehova ukuba bahambe ngayo njengalokho oyise bebeyigcina, noma qha.

[23]UJehova wayeseyeka lezo zizwe zingaxoshwa masinyane, futhi kazinikelanga esandleni sikaJoshuwa.

AbAhluleli 3

[1] Lezi ziyizizwe aziyekile uJehova ukuze amvivinye ngazo u-Israyeli, bonke abakwa-Israyeli ababengazi mpi eKhanani,

[2]kuphela ukuba izizukulwane zabantwana bakwa-Israyeli zazi, zifundiswe impi, ikakhulu labo ababengayazi ngaphambili.

[3] Amakhosi ayisihlanu amaFilisti, nawo onke amaKhanani, namaSidoni, namaHivi ahlala entabeni yaseLebanoni, kusukela entabeni yaseBali Hermoni kuze kube sekuyeni eHamati.

[4] Zazingezokuba u-Israyeli avivinywe ngazo, kwazeke uma beyakulalela imiyalo kaJehova abayala ngayo oyise ngesandla sikaMose.

[5]Os israelitas viviam entre os cananeus, os hititas, os amorreus, os ferezeus, os heveus e os jebuseus.

[6]Tomaram as filhas deles em casamento e deram suas filhas aos filhos deles, e prestaram culto aos deuses deles.

Otoniel

[7]Os israelitas fizeram o que o Senhor reprova, pois se esqueceram do Senhor, o seu Deus, e prestaram culto aos baalins e a Aserá.

[8]Acendeu-se a ira do Senhor de tal forma contra Israel que ele os entregou nas mãos de Cuchã-Risataim, rei da Mesopotâmia, por quem os israelitas foram subjugados durante oito anos.

[9]Mas, quando clamaram ao Senhor, ele lhes levantou um libertador, Otoniel, filho de Quenaz, o irmão mais novo de Calebe, que os libertou.

[10]O Espírito do Senhor veio sobre ele, de modo que liderou Israel e foi à guerra. O Senhor entregou Cuchã-Risataim, rei da Mesopotâmia, nas mãos de Otoniel, que prevaleceu contra ele.

[11]E a terra teve paz durante quarenta anos, até a morte de Otoniel, filho de Quenaz.

Eúde

[5]Abantwana bakwa-Israyeli bahlala phakathi kwamaKhanani, namaHeti, nama-Amori, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi,

[6] bathatha amadodakazi awo aba ngomkabo, banika amadodana awo amadodakazi abo, bakhonza onkulunkulu bawo.

U-Otheniyeli

[7]Abantwana bakwa-Israyeli benza okubi emehlweni kaJehova, bamkhohlwa uJehova uNkulunkulu wabo, bakhonza oBali no-Ashitaroti.

[8]Ngalokho intukuthelo kaJehova yavuthela u-Israyeli, wathengisa ngabo esandleni sikaKushani Rishatayimi inkosi yase-Aramu Naharayimi; abantwana bakwa-Israyeli bamkhonza uKushani Rishatayimi iminyaka eyisishiyagalombili.

[9]Kepha abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova; uJehova wabavusela abantwana bakwa-Israyeli umsindisi owabasindisa, u-Otheniyeli indodana kaKenazi, umnawe kaKalebi.

[10]UMoya kaJehova wayephezu kwakhe, wahlulela u-Israyeli, waphuma impi, uJehova wanikela uKushani Rishatayimi inkosi yase-Aramu Naharayimi esandleni sakhe; isandla sakhe samahlula uKushani Rishatayimi.

[11] Izwe lase liba nokuthula iminyaka engamashumi amane. Wafa u-Otheniyeli indodana kaKenazi.

U-Ehudi

[12]Mais uma vez os israelitas fizeram o que o Senhor reprova, e por isso o Senhor deu a Eglom, rei de Moabe, poder sobre Israel.

[13]Conseguindo uma aliança com os amonitas e com os amalequitas, Eglom veio e derrotou Israel e conquistou a Cidade das Palmeiras.

[14]Os israelitas ficaram sob o domínio de Eglom, rei de Moabe, durante dezoito anos.

[15]Novamente os israelitas clamaram ao Senhor, que lhes deu um libertador chamado Eúde, homem canhoto, filho do benjamita Gera. Os israelitas o enviaram com o pagamento de tributos a Eglom, rei de Moabe.

[16]Eúde havia feito uma espada de dois gumes, de quarenta e cinco centímetros de comprimento, e a tinha amarrado na coxa direita, debaixo da roupa.

[17]Ele entregou o tributo a Eglom, rei de Moabe, homem muito gordo.

[18]Em seguida, Eúde mandou embora os carregadores.

[19]Junto aos ídolos que estão perto de Gilgal, ele voltou e disse: “Tenho uma mensagem secreta para ti, ó rei”. O rei respondeu: “Calado!” E todos os seus auxiliares saíram de sua presença.

[20]Eúde aproximou-se do rei, que estava sentado sozinho na sala superior do

[12]Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova; uJehova wamnika u-Egiloni inkosi yakwaMowabi amandla phezu kuka-Israyeli, lokhu benze okubi emehlweni kaJehova.

[13]Wazibuthela abantwana bakwa-Amoni nabakwa-Amaleki, waya wachitha u-Israyeli, badla umuzi wamasundu.

[14]Abantwana bakwa-Israyeli bamkhonza u-Egiloni inkosi yakwaMowabi iminyaka eyishumi nesishiyagalombili.

[15]Kepha abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova, uJehova wabavusela umsindisi, u-Ehudi indodana kaGera, umBenjamini, umuntu oyinxele; abantwana bakwa-Israyeli bathuma isipho ngaye ku-Egiloni inkosi yakwaMowabi.

[16]U-Ehudi wazenzela inkemba ebukhali izinsiko zombili, ubude bayo buyingalo, wayibhinca phansi kwengubo yakhe ethangeni lokunene.

Ukufa kuka-Egiloni

[17]Wamnika u-Egiloni inkosi yakwaMowabi isipho, kepha u-Egiloni wayengumuntu okhulupheleyo kakhulu.

[18]Kwathi eseqedile ukumnika isipho, wamukisa abantu ababesithwele isipho.

[19]Kepha yena wabuya endaweni yezithombe ezibaziweyo engaseGiligali, wathi: Nginendaba eyisifuba kuwe nkosi. Wathi: Thulani. Base bephuma bonke ababemi ngakuye.

[20]U-Ehudi wasondela kuye; wayehlezi ekamelweni eliphezulu elipholileyo;

palácio de verão, e repetiu: “Tenho uma mensagem de Deus para ti”. Quando o rei se levantou do trono,

wayesethi u-Ehudi: Nginodaba oluvela kuNkulunkulu kuwe. Wasukuma esihlalweni sakhe.

[21]Eúde estendeu a mão esquerda, apanhou a espada de sua coxa direita e cravou-a na barriga do rei.

[21]U-Ehudi wayeselula isandla sakhe sokhohlo, wabamba inkemba ethangeni lakhe lokunene, wamgwaza esiswini sakhe;

[22]Até o cabo penetrou com a lâmina; e, como não tirou a espada, a gordura se fechou sobre ela.

[22]kwangena nesibambo emva kwenkemba, amanoni azungeza inkemba, ngokuba akayikhiphanga inkemba esiswini sakhe; yaphumela emuva.

[23]Então Eúde saiu para o pórtico, depois de fechar e trancar as portas da sala atrás de si.

[23]U-Ehudi wayesephumela ekamelweni eliphambili, wazivalela iminyango yekamelo eliphezulu, wayihluthulela.

[24]Depois que ele saiu, vieram os servos e encontraram trancadas as portas da sala superior, e disseram: “Ele deve estar fazendo suas necessidades em seu cômodo privativo”.

[24] Nxa esephumile yena, kwafika izinceku zakhe; zabona, bheka, iminyango yekamelo eliphezulu yayihluthulelwe; zathi: Mhlawumbe uyembesa ezinyawo zakhe ekamelweni lakhe elipholileyo.

[25]Cansaram-se de esperar e, como ele não abria a porta da sala, pegaram a chave e a abriram. E lá estava o seu senhor, caído no chão, morto!

[25]Zalinda zaze zajabha; bheka, akayivulanga iminyango yekamelo eliphezulu; ngalokho zathatha ukhiye, zayivula; bheka, inkosi yazo yayiwele phansi ifile.

[26]Enquanto esperavam, Eúde escapou. Passou pelos ídolos e fugiu para Seirá.

[26]U-Ehudi waphunyuka zisalinda, wadlula endaweni yezithombe ezibaziweyo, wabalekela eSeyiri.

[27]Quando chegou, tocou a trombeta nos montes de Efraim, e os israelitas desceram dos montes, com ele à sua frente.

[27]Kwathi esefikile, wabetha icilongo ezintabeni zakwa-Efrayimi, abantwana bakwa-Israyeli behla naye ezintabeni, yena ephambi kwabo.

[28]“Sigam-me”, ordenou, “pois o Senhor entregou Moabe, o inimigo de vocês, em suas mãos.” Eles o seguiram, tomaram posse do lugar de passagem do

[28]Wathi kubo: Ngilandeleni, ngokuba uJehova unikele izitha zenu abakwaMowabi esandleni senu! Behla emva kwakhe, bavimba amazibuko

Jordão que levava a Moabe e não deixaram ninguém atravessar o rio.

aseJordani ababewela ngawo abakwaMowabi, abavumanga ukuba kuwele muntu.

[29]Naquela ocasião, mataram cerca de dez mil moabitas, todos eles fortes e vigorosos; nem um só homem escapou.

[29]Babulala kwabakwaMowabi ngaleso sikhathi kungathi abantu abayizinkulungwane eziyishumi abayizidlakela namajaha, akwaphunyuka muntu.

[30]Naquele dia, Moabe foi subjugado por Israel, e a terra teve paz durante oitenta anos.

[30]UMowabi wathotshiswa kanjalo ngalolo suku phansi kwesandla sakwa-Israyeli. Izwe laba nokuthula iminyaka engamashumi ayisihiyagalombili.

Sangar

[31]Depois de Eúde veio Sangar, filho de Anate, que matou seiscentos filisteus com uma aguilhada de bois. Ele também libertou Israel.

UShamgari

[31]Emva kwakhe kwafika uShamgari indodana ka-Anati owabulala kuwo amaFilisti abantu abangamakhulu ayisithupha ngocijo lwenkabi; naye wasindisa u-Israyeli.

Juízes 4

Débora

[1]Depois da morte de Eúde, mais uma vez os israelitas fizeram o que o Senhor reprova.

[2]Assim o Senhor os entregou nas mãos de Jabim, rei de Canaã, que reinava em Hazor. O comandante do seu exército era Sísera, que habitava em Harosete-Hagoim.

[3]Os israelitas clamaram ao Senhor, porque Jabim, que tinha novecentos carros de ferro, os havia oprimido cruelmente durante vinte anos.

AbAhluleli 4

UDebora

[1]Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova, esefile u-Ehudi.

[2] UJehova wathengisa ngabo esandleni sikaJabini inkosi yaseKhanani, owabusa eHasori, onduna yempi yakhe yayinguSisera owahlala eHarosheti labezizwe.

[3]Abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova, ngokuba wayenezinqola ezingamakhulu ayisishiyagalolunye zensimbi; wacindezela kakhulu abantwana bakwa-Israyeli iminyaka engamashumi amabili.

[4]Débora, uma profetisa, mulher de Lapidote, liderava Israel naquela época.

[5]Ela se sentava debaixo da tamareira de Débora, entre Ramá e Betel, nos montes de Efraim, e os israelitas a procuravam, para que ela decidisse as suas questões.

[6]Débora mandou chamar Baraque, filho de Abinoão, de Quedes, em Naftali, e lhe disse: “O Senhor, o Deus de Israel, ordena a você que reúna dez mil homens de Naftali e Zebulom e vá ao monte Tabor.

[7]Ele fará que Sísera, o comandante do exército de Jabim, vá atacá-lo, com seus carros de guerra e tropas, junto ao rio Quisom, e os entregará em suas mãos”.

[8]Baraque disse a ela: “Se você for comigo, irei; mas, se não for, não irei”.

[9]Respondeu Débora: “Está bem, irei com você. Mas saiba que, por causa do seu modo de agir, a honra não será sua; porque o Senhor entregará Sísera nas mãos de uma mulher”. Então Débora foi a Quedes com Baraque,

[10]onde ele convocou Zebulom e Naftali. Dez mil homens o seguiram, e Débora também foi com ele.

[4]UDebora umprofethikazi, umkaLapidoti, wahlulela u-Israyeli ngaleso sikhathi.

[5]Wayehlala phansi kwesundu likaDebora phakathi kweRama neBethele ezintabeni zakwa-Efrayimi; abantwana bakwa-Israyeli bakhuphukela kuye ukuba bahlulelwe.

[6] Wathuma wabiza uBaraki indodana ka-Abinohama waseKedeshi Nafetali, wathi kuye: UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli akayalanga yini ngokuthi: Hamba usondele entabeni yaseThabori, uye nabantu abayizinkulungwane eziyishumi babantwana bakwaNafetali nabantwana bakwaZebuloni, na?

[7]Ngiyakusondeza kuwe emfudlaneni iKishoni uSisera induna yempi kaJabini, nezinqola zakhe, nesixuku sakhe, ngimnikele esandleni sakho.

[8]UBaraki wathi kuye: Uma uhamba nami, ngiyakuhamba; kepha uma ungahambi nami, angiyikuhamba.

[9]Wathi kuye: Impela ngiyakuhamba nawe, kodwa indlela oyakuhamba ngayo ayiyikuba ngeyodumo lwakho, ngokuba uJehova uyakumthengisa uSisera esandleni sowesifazane. Wayesesuka uDebora, wahamba noBaraki, baya eKedeshi.

[10]UBaraki wabiza oZebuloni noNafetali ukuba beze eKedeshi; kwakhuphuka abantu abayizinkulungwane eziyishumi ezinyathelweni zakhe; naye uDebora wakhuphuka naye.

[11]Ora, o queneu Héber se havia separado dos outros queneus, descendentes de Hobabe, sogro de Moisés, e tinha armado sua tenda junto ao carvalho de Zaanim, perto de Quedes.

[12]Quando disseram a Sísera que Baraque, filho de Abinoão, tinha subido o monte Tabor,

[13]Sísera reuniu seus novecentos carros de ferro e todos os seus soldados, de Harosete-Hagoim ao rio Quisom.

[14]E Débora disse também a Baraque: “Vá! Este é o dia em que o Senhor entregou Sísera em suas mãos. O Senhor está indo à sua frente!” Então Baraque desceu o monte Tabor, seguido por dez mil homens.

[15]Diante do avanço de Baraque, o Senhor derrotou Sísera e todos os seus carros de guerra e o seu exército ao fio da espada, e Sísera desceu do seu carro e fugiu a pé.

[16]Baraque perseguiu os carros de guerra e o exército até Harosete-Hagoim. Todo o exército de Sísera caiu ao fio da espada; não sobrou um só homem.

[17]Sísera, porém, fugiu a pé para a tenda de Jael, mulher do queneu Héber, pois havia paz entre Jabim, rei de Hazor, e o clã do queneu Héber.

[11] Kepha uHebere umKheni wayezahlukanisile namaKheni, abantwana bakwaHobabi umukhwe kaMose, wamisa itende lakhe kwaze kwaba se-okini laseShananimi eliseduze neKedeshi.

UBaraki uyanqoba uSisera

[12]Bamtshela uSisera ukuthi uBaraki indodana ka-Abinohama ukhuphukele entabeni yaseThabori.

[13]USisera wayesebutha zonke izinqola zakhe, izinqola ezingamakhulu ayisishiyagalolunye zensimbi, nabantu bonke ababenaye, kusukela eHarosheti labezizwe kuze kube semfudlaneni iKishoni.

[14]UDebora wathi kuBaraki: Vuka, ngokuba yilolu suku uJehova anikele ngalo uSisera esandleni sakho; uJehova akaphumanga phambi kwakho na? UBaraki wehla entabeni yaseThabori nabantu abayizinkulungwane eziyishumi emva kwakhe.

[15] UJehova wamngquzula uSisera nazo zonke izinqola zakhe nempi yakhe yonke ngosiko lwenkemba phambi kukaBaraki; uSisera wehlika enqoleni yakhe, wabaleka ngezinyawo.

[16]Kepha uBaraki waxosha izinqola nempi kwaze kwaba seHarosheti labezizwe; yonke impi kaSisera yawa ngosiko lwenkemba, akwasala muntu.

[17]Kepha uSisera wabaleka ngezinyawo, wafika etendeni likaJayeli umkaHebere umKheni, ngokuba kwakukhona ukuthula

phakathi kukaJabini inkosi yaseHasori nendlu kaHebere umKheni.

[18]Jael saiu ao encontro de Sísera e o convidou: “Venha, entre na minha tenda, meu senhor. Não tenha medo!” Ele entrou, e ela o cobriu com um pano.

[29]Sengathi laba bantu nga besesandleni sami; bengiyakumsusa u-Abimeleki. Wathi ku-Abimeleki: Yandisa impi yakho, uphume.
[30]Lapha uZebule umphathi womuzi ezwa amazwi kaGali indodana ka-Ebedi, kwavutha ulaka lwakhe.
[31]Wathuma izithunywa ku-Abimeleki ngobuqili, wathi: Bheka, uGali indodana ka-Ebedi nabafowabo bafikile eShekemi; bheka, bakuvusela umuzi.
[32]Ngalokho vukani ebusuku, wena nabantu abanawe, niqamekele endle;
[33]kuyakuthi ekuseni lisaphuma ilanga, uvuke, uhlasele umuzi; bheka, lapho yena nabantu abanye bephuma ukuba balwe nawe, wenze kubo njengokubona kwakho.

[34]E assim Abimeleque e todas as suas tropas partiram de noite e prepararam emboscadas perto de Siquém, em quatro companhias.

[34]U-Abimeleki nabo bonke abantu ababenaye basuka ebusuku, baqamekela iShekemi ngezigaba ezine.

[35]Ora, Gaal, filho de Ebede, tinha saído e estava à porta da cidade quando Abimeleque e seus homens saíram da sua emboscada.

[35]UGali indodana ka-Ebedi waphuma, wema esikhaleni sesango lomuzi; u-Abimeleki wayeseqhamuka nabantu ababenaye ekuqamekeleni.

[36]Quando Gaal os viu, disse a Zebul: “Veja, vem gente descendo do alto das colinas!” Zebul, porém, respondeu: “Você está confundindo as sombras dos montes com homens”.

[36]Lapho uGali ebona abantu, wathi kuZebule: Bheka, kwehla abantu eziqongweni zezintaba. UZebule wathi kuye: Uyabona amathunzi ezintaba kungathi ngabantu.

[37]Mas Gaal tornou a falar: “Veja, vem gente descendo da parte central do território, e uma companhia está vindo pelo caminho do carvalho dos Adivinhadores”.

[37]UGali wabuye wakhuluma, wathi: Bheka, kwehla abantu eNkabeni yezwe, esinye isigaba sifika ngendlela ye-oki lokuhlola imihlola.

[38]Disse-lhe Zebul: “Onde está toda aquela sua conversa? Você dizia: ‘Quem é Abimeleque, para que o sirvamos?’ Não são estes os homens que você ridicularizou? Saia e lute contra eles!”

[38]UZebule wayesethi kuye: Uphi manje umlomo wakho ukuba uthi: Ngubani u-Abimeleki ukuba simkhonze na? Akusibo labo bantu obadeleleyo na? Ake uphume manje, ulwe nabo.

[39]Então Gaal conduziu para fora os cidadãos de Siquém e lutou contra Abimeleque.

[39]UGali waphuma phambi kwabantu baseShekemi, walwa no-Abimeleki.

[40]Abimeleque o perseguiu, e ele fugiu. Muitos dos homens de Siquém caíram mortos ao longo de todo o caminho, até a porta da cidade.

[40]U-Abimeleki wamxosha, wabaleka phambi kwakhe, kwawa abaningi bekhutshaziwe kwaze kwaba sesikhaleni sesango.

[41]Abimeleque permaneceu em Arumá, e Zebul expulsou Gaal e os seus parentes de Siquém.

[41]U-Abimeleki wahlala e-Aruma; uZebule wamxosha uGali nabafowabo ukuba bangahlali eShekemi.

[42]No dia seguinte, o povo de Siquém saiu aos campos, e Abimeleque ficou sabendo disso.

[43]Então dividiu os seus homens em três companhias e armou emboscadas no campo. Quando viu o povo saindo da cidade, levantou-se contra ele e atacou-o.

[44]Abimeleque e as tropas que estavam com ele avançaram até a porta da cidade. Então duas companhias avançaram sobre os que estavam nos campos e os mataram.

[45]E Abimeleque atacou a cidade o dia todo, até conquistá-la e matar o seu povo. Depois destruiu a cidade e espalhou sal sobre ela.

[46]Ao saberem disso, os cidadãos que estavam na torre de Siquém entraram na fortaleza do templo de El-Berite.

[47]Quando Abimeleque soube que se haviam reunido lá,

[48]ele e todos os seus homens subiram o monte Zalmom. Ele apanhou um machado, cortou um galho de árvore e o pôs nos ombros. Então deu esta ordem aos homens que estavam com ele: “Rápido! Façam o que eu estou fazendo!”

[49]Todos os homens cortaram galhos e seguiram Abimeleque. Empilharam os galhos junto à fortaleza e a incendiaram. Assim morreu também o povo que estava na torre de Siquém, cerca de mil homens e mulheres.

[42]Kwathi ngangomuso abantu baya endle, bamtshela u-Abimeleki.

[43]Wathatha abantu, wabahlukanisela izigaba ezintathu, waqamekela endle; wabheka, nampa abantu bephuma emzini; wabavukela, wababulala.

[44]U-Abimeleki nezigaba ezazinaye zadumela, zema esikhaleni sesango lomuzi; izigaba zombili zadumela bonke abasendle, zababulala.

[45]U-Abimeleki walwa nomuzi lonke lolo suku; wawuthatha umuzi, wabulala abantu ababekuwo, wawubhidliza umuzi, wahlwanyela usawoti kuwo.

[46]Lapho bezwa lokho bonke abasembhoshongweni waseShekemi, bangena enqabeni yendlu yase-Eli Beriti.

[47]Kwabikwa ku-Abimeleki ukuthi bonke abasembhoshongweni waseShekemi babehlangene ndawonye.

[48]U-Abimeleki wenyukela entabeni yaseSalimoni, yena nabantu bonke ababenaye; u-Abimeleki wathatha izembe ngesandla, wagawula igatsha emithini, walithatha, walibeka ehlombe, wathi kubantu ababenaye: Lokho eningibone ngikwenza, sheshani nikwenze njengami.

[49]Bonke abantu bagawula, kwaba yilowo nalowo igatsha lakhe kanjalo, bamlandela u-Abimeleki, bawabeka enqabeni, bayithungela inqaba ngomlilo phezu kwabo; bafa bonke abantu abasembhoshongweni waseShekemi,

kungathi abayinkulungwane, abesilisa nabesifazane.

[50]A seguir, Abimeleque foi a Tebes, sitiou-a e conquistou-a.

[50]U-Abimeleki wayeseya eThebesi, wamisa malungana neThebesi, walithatha.

[51]Mas dentro da cidade havia uma torre bastante forte, para a qual fugiram todos os homens e mulheres, todo o povo da cidade. Trancaram-se por dentro e subiram para o telhado da torre.

[51]Kepha phakathi komuzi wawukhona umbhoshongo oqinileyo; babalekela khona bonke abesilisa nabesifazane, nabo bonke abomuzi, bazivalela phakathi, benyukela ophahleni lombhoshongo.

[52]Abimeleque foi para a torre e atacou-a. E, quando se aproximava da entrada da torre para incendiá-la,

[52]U-Abimeleki wafika embhoshongweni, walwa nawo, wasondela emnyango wombhoshongo ukuba awushise ngomlilo.

[53]uma mulher jogou uma pedra de moinho na cabeça dele, e lhe rachou o crânio.

[53]Owesifazane othile waphonsa imbokodwe ekhanda lika-Abimeleki, wachimiza ikhanda lakhe.

[54]Imediatamente ele chamou seu escudeiro e lhe ordenou: “Tire a espada e mate-me, para que não digam que uma mulher me matou”. Então o jovem o atravessou, e ele morreu.

[54] Wayesesheshа ebiza udibi olwaluphethe izikhali zakhe, wathi kulo: Hosha inkemba yakho, ungibulale ukuba abantu bangasho ngami ukuthi: Wabulawa ngowesifazane. Udibi lwakhe lwase lumgwaza, wafa.

[55]Quando os israelitas viram que Abimeleque estava morto, voltaram para casa.

[55]Kwathi abantu bakwa-Israyeli bebonile ukuthi u-Abimeleki ufile, bamuka baya, kwaba yilowo nalowo endaweni yakhe.

[56]Assim Deus retribuiu a maldade que Abimeleque praticara contra o seu pai, matando os seus setenta irmãos.

[56]Kanjalo uNkulunkulu wabuyisela ububi buka-Abimeleki abebenzile kuyise ngokubulala abafowabo abangamashumi ayisikhombisa.

[57]Deus fez também os homens de Siquém pagarem por toda a sua maldade. A maldição de Jotão, filho de Jerubaal, caiu sobre eles.

[57]UNkulunkulu wabuyisela bonke ububi babantu baseShekemi emakhanda abo, behlelwa yisiqalekiso sikaJothamu indodana kaJerubali.

Juízes 10

AbAhluleli 10

Tolá

[1]Depois de Abimeleque, um homem de Issacar chamado Tolá, filho de Puá, filho de Dodô, levantou-se para libertar Israel. Ele morava em Samir, nos montes de Efraim,

[2]e liderou Israel durante vinte e três anos; então morreu e foi sepultado em Samir.

Jair

[3]Depois dele veio Jair, de Gileade, que liderou Israel durante vinte e dois anos.

[4]Teve trinta filhos, que montavam trinta jumentos. Eles tinham autoridade sobre trinta cidades, as quais até hoje são chamadas "povoados de Jair" e ficam em Gileade.

[5]Quando Jair morreu, foi sepultado em Camom.

Jefté

[6]Mais uma vez os israelitas fizeram o que o Senhor reprova. Serviram aos baalins, às imagens de Astarote, aos deuses de Arã, aos deuses de Sidom, aos deuses de Moabe, aos deuses dos amonitas e aos deuses dos filisteus. E como os israelitas abandonaram o Senhor e não mais lhe prestaram culto,

[7]a ira do Senhor se acendeu contra eles. Ele os entregou nas mãos dos filisteus e dos amonitas,

[8]que naquele ano os humilharam e os oprimiram. Durante dezoito anos

OThola noJayire

[1]Emva kuka-Abimeleki kwavela uThola indodana kaPhuwa kaDodo, umuntu wakwa-Isakare, ukuba asindise u-Israyeli; wayehlala eShamiri ezintabeni zakwa-Efrayimi.

[2]Wamahlulela u-Israyeli iminyaka engamashumi amabili nantathu, wafa, wembelwa eShamiri.

[3]Emva kwakhe kwavela uJayire wakwaGileyadi, wamahlulela u-Israyeli iminyaka engamashumi amabili nambili.

[4] Wayenamadodana angamashumi amathathu agibela amathole ezimbongolo angamashumi amathathu; ayenemizi engamashumi amathathu ethiwa iHavoti Jayire kuze kube namuhla, esezweni lakwaGileyadi.

[5]UJayire wafa, wembelwa eKhamoni.

Abakwa-Israyeli babuyela esandleni sezitha zabo

[6]Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova, babakhonza oBali, no-Ashitaroti, nawonkulunkulu base-Aramu, nawonkulunkulu baseSidoni, nawonkulunkulu bakwaMowabi, nawonkulunkulu babantwana bakwa-Amoni, nawonkulunkulu bamaFilisti, bamshiya uJehova, kabamkhonza.

[7]Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Israyeli, wathengisa ngabo esandleni samaFilisti nasesandleni sabantwana bakwa-Amoni.

[8]Bakhathaza, bacindezela abantwana bakwa-Israyeli ngalowo mnyaka;

oprimiram todos os israelitas do lado leste do Jordão, em Gileade, terra dos amorreus.	iminyaka eyishumi nesishiyagalombili babacindezela bonke abantwana bakwa-Israyeli ababengaphesheya kweJordani ezweni lama-Amori elikwaGileyadi.
[9]Os amonitas também atravessaram o Jordão para lutar contra Judá, contra Benjamim e contra a tribo de Efraim; e grande angústia dominou Israel.	[9]Abantwana bakwa-Amoni bawela iJordani ukuba balwe noJuda noBenjamini nendlu yakwa-Efrayimi; u-Israyeli wantula kakhulu.
[10]Então os israelitas clamaram ao Senhor, dizendo: "Temos pecado contra ti, pois abandonamos o nosso Deus e prestamos culto aos baalins!"	[10]Abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova, bathi: Sonile kuwe, ngokuba simshiyile uNkulunkulu wethu, sakhonza oBali.
[11]O Senhor respondeu: "Quando os egípcios, os amorreus, os amonitas, os filisteus,	[11]UJehova wathi kubantwana bakwa-Israyeli: Anginisindisanga yini kubo abaseGibithe, nakuwo ama-Amori, nakubo abantwana bakwa-Amoni, nakuwo amaFilisti, na?
[12]os sidônios, os amalequitas e os maonitas os oprimiram, e vocês clamaram a mim, eu os libertei das mãos deles.	[12]Nacindezelwa ngamaSidoni, nama-Amaleki, namaMahoni, nakhala kimi, nganisindisa esandleni sawo.
[13]Mas vocês me abandonaram e prestaram culto a outros deuses. Por isso não os livrarei mais.	[13] Nokho ningishiyile, nakhonza abanye onkulunkulu; ngalokho angisayikunisindisa.
[14]Clamem aos deuses que vocês escolheram. Que eles os livrem na hora do aperto!"	[14] Hambani nikhale konkulunkulu enibakhethileyo; mabanisindise ngesikhathi sosizi lwenu.
[15]Os israelitas, porém, disseram ao Senhor: "Nós pecamos. Faze conosco o que achares melhor, mas te rogamos, livra-nos agora".	[15] Abantwana bakwa-Israyeli bathi kuJehova: Sonile; yenza kithi okuthandayo; kepha ake usophule kuphela namuhla.
[16]Então eles se desfizeram dos deuses estrangeiros que havia no meio deles e prestaram culto ao Senhor. E ele não pôde mais suportar o sofrimento de Israel.	[16]Base besusa onkulunkulu babezizwe phakathi kwabo, bamkhonza uJehova; umphefumulo wakhe wakhathazeka ngokuhlupheka kwabakwa-Israyeli.

[17]Quando os amonitas foram convocados e acamparam em Gileade, os israelitas reuniram-se e acamparam em Mispá.

[18]Os líderes do povo de Gileade disseram uns aos outros: “Quem iniciar o ataque contra os amonitas será chefe dos que vivem em Gileade”.

[17]Kwabuthwa abantwana bakwa-Amoni, bamisa kwaGileyadi. Kepha abantwana bakwa-Israyeli babuthana, bamisa eMispa.

[18]Abantu, izikhulu zakwaGileyadi, bathi omunye komunye: Ngumuphi umuntu oyakuqala ukulwa nabantwana bakwa-Amoni na? Yena uyakuba yinhloko yabo bonke abakhe kwaGileyadi.

Juízes 11

[1]Jefté, o gileadita, era um guerreiro valente. Sua mãe era uma prostituta; seu pai chamava-se Gileade.

[2]A mulher de Gileade também lhe deu filhos, que, quando já estavam grandes, expulsaram Jefté, dizendo: “Você não vai receber nenhuma herança de nossa família, pois é filho de outra mulher”.

[3]Então Jefté fugiu dos seus irmãos e se estabeleceu em Tobe. Ali um bando de vadios uniu-se a ele e o seguia.

[4]Algum tempo depois, quando os amonitas entraram em guerra contra Israel,

[5]os líderes de Gileade foram buscar Jefté em Tobe.

[6]“Venha”, disseram. “Seja nosso comandante, para que possamos combater os amonitas.”

[7]Disse-lhes Jefté: “Vocês não me odiavam e não me expulsaram da casa de meu pai? Por que me procuram agora, quando estão em dificuldades?”

AbAhluleli 11

UJefta. Ukunqoba kwakhe nesithembiso sakhe

[1] UJefta wakwaGileyadi wayeyiqhawe elinamandla; wayeyindodana yesifebe; uGileyadi wamzala uJefta.

[2]UmkaGileyadi wamzalela amadodana; esekhulile amadodana omkakhe amxosha uJefta, athi kuye: Awuyikulidla ifa endlini kababa, ngokuba uyindodana yomunye owesifazane.

[3]UJefta wabalekela abafowabo, wahlala ezweni laseThobi; kwabuthana kuJefta amayiyane, aphuma naye.

[4]Kwathi emva kwesikhashana abantwana bakwa-Amoni balwa no-Israyeli.

[5]Bathi abantwana bakwa-Amoni belwa no-Israyeli, amalunga akwaGileyadi aya amlanda uJefta ezweni laseThobi.

[6]Athi kuJefta: Woza ube ngumholi wethu, silwe nabantwana bakwa-Amoni.

[7]UJefta wathi kumalunga akwaGileyadi: Aningizondanga yini, nangixosha endlini kababa na? Nizelani kimi manje nisekuhluphekeni na?

[8]“Apesar disso, agora estamos apelando para você”, responderam os líderes de Gileade. “Venha conosco combater os amonitas, e você será o chefe de todos os que vivem em Gileade.”

[8]Amalunga akwaGileyadi athi kuJefta: Sibuyele kuwe manje ngalokhu ukuba uhambe nathi, ulwe nabantwana bakwa-Amoni, ube yinhloko phezu kwabo bonke abakhe kwaGileyadi.

[9]Jefté respondeu: “Se vocês me levarem de volta para combater os amonitas e o Senhor os entregar a mim, serei o chefe de vocês?”

[9]Wayesethi uJefta kumalunga akwaGileyadi: Uma ningibuyisa ukulwa nabantwana bakwa-Amoni, uJehova abanikele phambi kwami, ngiyakuba yinhloko yenu.

[10]Os líderes de Gileade responderam: “O Senhor é nossa testemunha; faremos conforme você diz”.

[10]Amalunga akwaGileyadi athi kuJefta: UJehova makabe ngufakazi wethu; impela siyakwenza njengezwi lakho.

[11]Assim Jefté foi com os líderes de Gileade, e o povo o fez chefe e comandante sobre todos. E ele repetiu perante o Senhor, em Mispá, todas as palavras que tinha dito.

[11]UJefta wayesehamba namalunga akwaGileyadi; abantu bamenza inhloko nomholi phezu kwabo; uJefta wakhuluma onke amazwi akhe phambi kukaJehova eMispa.

[12]Jefté enviou mensageiros ao rei amonita com a seguinte pergunta: “Que é que tens contra nós, para teres atacado a nossa terra?”

[12]UJefta wathuma izithunywa enkosini yabantwana bakwa-Amoni, wathi: Unamsebenzi muni nami ukuba uze kimi ukulwa nezwe lakithi na?

[13]O rei dos amonitas respondeu aos mensageiros de Jefté: “Quando Israel veio do Egito tomou as minhas terras, desde o Arnom até o Jaboque e até o Jordão. Agora, devolvam-me essas terras pacificamente”.

[13] Inkosi yabantwana bakwa-Amoni yathi kuzo izithunywa zikaJefta: Ngokuba u-Israyeli walithatha izwe lakithi ekukhuphukeni kwakhe eGibithe, kusukela e-Arinoni kuze kube seJaboki naseJordani, buyisani lawo mazwe ngokuthula.

[14]Jefté mandou de novo mensageiros ao rei amonita,

[14]UJefta wabuye wathuma izithunywa enkosini yabantwana bakwa-Amoni,

[15]dizendo: “Assim diz Jefté: Israel não tomou a terra de Moabe, e tampouco a terra dos amonitas.

[15] wathi kuyo: Usho kanje uJefta, uthi: U-Israyeli akathathanga izwe lakwaMowabi nezwe labantwana bakwa-Amoni.

[16]Quando veio do Egito, Israel foi pelo deserto até o mar Vermelho e daí para Cades.

[17]Então Israel enviou mensageiros ao rei de Edom, dizendo: 'Deixa-nos atravessar a tua terra', mas o rei de Edom não quis ouvi-lo. Enviou o mesmo pedido ao rei de Moabe, e ele também não consentiu. Assim Israel permaneceu em Cades.

[18]"Em seguida, os israelitas viajaram pelo deserto e contornaram Edom e Moabe; passaram a leste de Moabe e acamparam do outro lado do Arnom. Não entraram no território de Moabe, pois o Arnom era a sua fronteira.

[19]"Depois Israel enviou mensageiros a Seom, rei dos amorreus, em Hesbom, e lhe pediu: 'Deixa-nos atravessar a tua terra para irmos ao lugar que nos pertence!'

[20]Seom, porém, não acreditou que Israel fosse apenas atravessar o seu território; assim convocou todos os seus homens, acampou em Jaza e lutou contra Israel.

[21]"Então o Senhor, o Deus de Israel, entregou Seom e todos os seus homens nas mãos de Israel, e este os derrotou. Israel tomou posse de todas as terras dos amorreus que viviam naquela região,

[16]Ngokuba ekukhuphukeni kwabo eGibithe, u-Israyeli ehamba ehlane waze wafika eLwandle Olubomvu, wafika naseKadeshi,

[17] u-Israyeli wathuma izithunywa enkosini yakwa-Edomi, wathi: Ake ngidabule izwe lakho; kepha inkosi yakwa-Edomi ayilalelanga; nasenkosini yakwaMowabi wathuma kanjalo; kepha ayivumanga; u-Israyeli wayesehlala eKadeshi.

[18] Wayesehamba ehlane, wazungeza izwe lakwa-Edomi nezwe lakwaMowabi, weza ngasempumalanga kwezwe lakwaMowabi, wamisa ngaphesheya kwe-Arinoni; kepha abangenanga emkhawulweni wakwaMowabi, ngokuba i-Arinoni lalingumkhawulo wakwaMowabi.

[19] U-Israyeli wayesethuma izithunywa kuSihoni inkosi yama-Amori, inkosi yaseHeshiboni; u-Israyeli wathi kuye: Ake sidabule izwe lakho, siye endaweni yethu.

[20]Kodwa uSihoni akamethembanga u-Israyeli ukuba adabule emkhawulweni wakhe; kepha uSihoni wabutha bonke abantu bakhe, wamisa eJahasi, walwa no-Israyeli.

[21] UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli wanikela uSihoni nabo bonke abantu bakhe esandleni sakwa-Israyeli, bababulala; u-Israyeli wadla izwe lonke lama-Amori, abantu balelo zwe.

[22]conquistando-a por inteiro, desde o Arnom até o Jaboque, e desde o deserto até o Jordão.

[23]“Agora que o Senhor, o Deus de Israel, expulsou os amorreus da presença de Israel, seu povo, queres tu tomá-la?

[24]Acaso não tomas posse daquilo que o teu deus Camos te dá? Da mesma forma tomaremos posse do que o Senhor, o nosso Deus, nos deu.

[25]És tu melhor do que Balaque, filho de Zipor, rei de Moabe? Entrou ele alguma vez em conflito com Israel ou lutou com ele?

[26]Durante trezentos anos Israel ocupou Hesbom, Aroer, os povoados ao redor e todas as cidades às margens do Arnom. Por que não os reconquistaste todo esse tempo?

[27]Nada fiz contra ti, mas tu estás cometendo um erro, lutando contra mim. Que o Senhor, o Juiz, julgue hoje a disputa entre os israelitas e os amonitas”.

[28]Entretanto, o rei de Amom não deu atenção à mensagem de Jefté.

[29]Então o Espírito do Senhor se apossou de Jefté. Este atravessou Gileade e Manassés, passou por Mispá de Gileade, e daí avançou contra os amonitas.

[22] Badla izwe lonke lama-Amori, kusukela e-Arinoni kuze kube seJakobi, kusukela ehlane kuze kube seJordani.

[23] Manje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli uwaxoshile ama-Amori phambi kwabantu bakhe u-Israyeli; wena uyakulidla izwe na?

[24]Awuyikudla lelo uKemoshi unkulunkulu wakho akunika lona ukuba ulidle na? Kanjalo bonke uJehova, uNkulunkulu wethu, abaxosha phambi kwethu, siyalidla elabo.

[25] Pho, ungcono yini kunoBalaki indodana kaSipori, inkosi yakwaMowabi, na? Wake waphikisana no-Israyeli, wake walwa nabo na?

[26]U-Israyeli esahlala eHeshiboni nasemizaneni yalo, nase-Aroweri nasemizaneni yalo, nasemizini yonke engaseceleni kwe-Arinoni iminyaka engamakhulu amathathu, anisaphucanga ngani yona ngaleso sikhathi na?

[27]Mina angikonanga, kepha wena wenza okubi kimi ngokulwa nami; uJehova uMahluleli makahlulele namuhla phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli nabantwana bakwa-Amoni.

[28]Kodwa inkosi yabantwana bakwa-Amoni ayilalelanga amazwi kaJefta awathuma kuyo.

[29]Khona uMoya kaJehova wafika kuJefta, wadlula kwaGileyadi nakwaManase, wadlula naseMispa lakwaGileyadi; esuka eMispa lakwaGileyadi wadlulela kubantwana bakwa-Amoni.

[30]E Jefté fez este voto ao Senhor: “Se entregares os amonitas nas minhas mãos,

[31]aquele que estiver saindo da porta da minha casa ao meu encontro, quando eu retornar da vitória sobre os amonitas, será do Senhor, e eu o oferecerei em holocausto”.

[32]Então Jefté foi combater os amonitas, e o Senhor os entregou nas suas mãos.

[33]Ele conquistou vinte cidades, desde Aroer até as vizinhanças de Minite, chegando a Abel-Queramim. Assim os amonitas foram subjugados pelos israelitas.

[34]Quando Jefté chegou à sua casa em Mispá, sua filha saiu ao seu encontro, dançando ao som de tamborins. E ela era filha única. Ele não tinha outro filho ou filha.

[35]Quando a viu, rasgou suas vestes e gritou: “Ah, minha filha! Estou angustiado e desesperado por sua causa, pois fiz ao Senhor um voto que não posso quebrar”.

[36]“Meu pai”, respondeu ela, “sua palavra foi dada ao Senhor. Faça comigo o que prometeu, agora que o Senhor o vingou dos seus inimigos, os amonitas.”

[30]UJefta wenza isithembiso kuJehova, wathi: Uma uyakunikela impela abantwana bakwa-Amoni esandleni sami,
[31]kuyakuthi noma yikuphi okuphuma eminyango yendlu yami ukungihlangabeza, lapho ngibuya ngokuthula kubantwana bakwa-Amoni, kube ngokukaJehova, nginikele ngakho kube ngumnikelo wokushiswa.
[32]UJefta wayesedlulela kubantwana bakwa-Amoni ukulwa nabo; uJehova wabanikela esandleni sakhe.
[33]Wababulala kusukela e-Aroweri kuze kufike eMiniti, imizi engamashumi amabili, nase-Abela Keramimi ngokuceka okukhulu kakhulu. Kanjalo abantwana bakwa-Amoni banqotshwa phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

Indodakazi kaJefta

[34] UJefta weza eMispa endlini yakhe; bheka, indodakazi yakhe yaphuma ukumhlangabeza, iza nezigubhu nokusina; yayingumntwana oyedwa; ngaphandle kwakhe wayengenandodana nandodakazi.
[35]Kwathi lapho eyibona, waklebhula izingubo zakhe, wathi: Hawu, mntanami, ungithobisile kakhulu, ungomunye wabangihluphayo, ngokuba ngivulile umlomo kuJehova, angisenakubuya.
[36]Wathi kuye: Baba, uvulile umlomo wakho kuJehova; yenza kimi njengokuphumileyo emlonyeni wakho, lokhu uJehova ekuphindisele ezitheni zakho, abantwana bakwa-Amoni.

[37]E prosseguiu: “Mas conceda-me dois meses para vagar pelas colinas e chorar com as minhas amigas, porque jamais me casarei”.
[38]“Vá!”, disse ele. E deixou que ela fosse por dois meses. Ela e suas amigas foram para as colinas e choraram porque ela jamais se casaria.
[39]Passados os dois meses, ela voltou a seu pai, e ele fez com ela o que tinha prometido no voto. Assim, ela nunca deixou de ser virgem. Daí vem o costume em Israel

[40]de saírem as moças durante quatro dias, todos os anos, para celebrar a memória da filha de Jefté, o gileadita.

Juízes 12

O Conflito de Jefté contra Efraim

[1]Os homens de Efraim foram convocados para a batalha; dirigiram-se para Zafom e disseram a Jefté: “Por que você foi lutar contra os amonitas sem nos chamar para irmos juntos? Vamos queimar a sua casa e você junto!”
[2]Jefté respondeu: “Eu e meu povo estávamos envolvidos numa grande contenda com os amonitas, e, embora eu os tenha chamado, vocês não me livraram das mãos deles.
[3]Quando vi que vocês não ajudariam, arrisquei a vida e fui lutar contra os amonitas, e o Senhor me deu a vitória

[37]Yathi kuyise: Mangenzelwe lokhu: ngiyeke izinyanga ezimbili ukuba ngiye, ngehlele ezintabeni, ngililele ubuntombi bami, mina nabangane bami.

[38]Wathi: Hamba. Wayimukisa izinyanga ezimbili; yamuka yona nabangane bayo, yalilela ubuntombi bayo ezintabeni.

[39]Kwathi ngasekupheleni kwezinyanga ezimbili, yabuyela kuyise owenza kuyo njengokwesithembiso sakhe asethembisileyo; ayiyazanga indoda.

[40]Kwaba yisimiso kwa-Israyeli ukuba amadodakazi akwa-Israyeli aye yonke iminyaka ukuyitusa indodakazi kaJefta wakwaGileyadi izinsuku ezine ngomnyaka.

AbAhluleli 12

Ukusola kwabakwa-Efrayimi nokunqotshwa kwabo

[1] Amadoda akwa-Efrayimi abuthana, aya ngasenyakatho; athi kuJefta: Uwelelani ukulwa nabantwana bakwa-Amoni, ungasibizanga ukuba sihambe nawe, na? Siyakushisa ngomlilo indlu yakho phezu kwakho.

[2]UJefta wathi kubo: Mina nabantu bami sasilwa kakhulu nabantwana bakwa-Amoni; nganibiza, aningisindisanga esandleni sabo.

[3] Nxa sengibonile ukuthi aningisindisanga, ngabeka ukuphila kwami esandleni sami, ngadlulela

sobre eles. E, por que vocês vieram para cá hoje? Para lutar contra mim?”

kubantwana bakwa-Amoni, uJehova wabanikela esandleni sami; ngalokho nikhuphukeleni kimi namuhla ukulwa nami na?

[4]Jefté reuniu então todos os homens de Gileade e lutou contra Efraim. Os gileaditas feriram os efraimitas porque estes tinham dito: “Vocês, gileaditas, são desertores de Efraim e de Manassés”.

[4]UJefta wayesebutha bonke abantu bakwaGileyadi, walwa no-Efrayimi; abantu bakwaGileyadi bamahlula u-Efrayimi, ngokuba bathi: Ningababalekileyo bakwa-Efrayimi nina bakwaGileyadi phakathi kwabakwa-Efrayimi naphakathi kwabakwaManase.

[5]Os gileaditas tomaram as passagens do Jordão que conduziam a Efraim. Sempre que um fugitivo de Efraim dizia: “Deixem-me atravessar”, os homens de Gileade perguntavam: “Você é efraimita?” Se respondesse que não,

[5]AbakwaGileyadi bavimba amazibuko aseJordani phambi kwabakwa-Efrayimi; kwathi lapho ababalekileyo bakwa-Efrayimi bethi: Mangiwele, abantu bakwaGileyadi bathi kuye: Ungowakwa-Efrayimi na? Uma ethi: Cha,

[6]diziam: “Então diga: Chibolete”. Se ele dissesse: “Sibolete”, sem conseguir pronunciar corretamente a palavra, prendiam-no e matavam-no no lugar de passagem do Jordão. Quarenta e dois mil efraimitas foram mortos naquela ocasião.

[6]bathi kuye: Shono uthi: Shiboleti, abesethi: Siboleti, ngokuba engaqaphelanga ukuliphimisa kahle; base bembamba, bambulala ngasemazibukweni aseJordani; kwawa ngaleso sikhathi abakwa-Efrayimi abayizinkulungwane ezingamashumi amane nambili.

Ukufa kukaJefta

[7]Jefté liderou Israel durante seis anos. Então o gileadita Jefté morreu e foi sepultado numa cidade de Gileade.

[7]UJefta wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyisithupha. Wafa uJefta wakwaGileyadi, wambelwa komunye wemizi yakwaGileyadi.

Ibsã, Elom e Abdom

[8]Depois de Jefté, Ibsã, de Belém, liderou Israel.

O-Ibisani, no-Eloni, no-Abidoni

[8]Emva kwakhe u-Ibisani waseBetlehema wahlulela u-Israyeli.

[9]Teve trinta filhos e trinta filhas. Deu suas filhas em casamento a homens de fora do seu clã e trouxe para os seus filhos trinta

[9]Wayenamadodana angamashumi amathathu; amadodakazi angamashumi amathathu wawendisa, wathathela

mulheres de fora do seu clã. Ibsã liderou Israel durante sete anos.

[10]Então Ibsã morreu e foi sepultado em Belém.

[11]Depois dele, Elom, da tribo de Zebulom, liderou Israel durante dez anos.

[12]Elom morreu e foi sepultado em Aijalom, na terra de Zebulom.

[13]Depois dele, Abdom, filho de Hilel, de Piratom, liderou Israel.

[14]Teve quarenta filhos e trinta netos, que montavam setenta jumentos. Abdom liderou Israel durante oito anos.

[15]Então Abdom, filho de Hilel, morreu e foi sepultado em Piratom, na terra de Efraim, na serra dos amalequitas.

Juízes 13

O Nascimento de Sansão

[1]Os israelitas voltaram a fazer o que o Senhor reprova, e por isso o Senhor os entregou nas mãos dos filisteus durante quarenta anos.

[2]Certo homem de Zorá, chamado Manoá, do clã da tribo de Dã, tinha mulher estéril.

amadodana akhe izintombi ezingamashumi amathathu. Wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyisikhombisa.

[10]U-Ibisani wafa, wembelwa eBetlehema.

[11]Emva kwakhe u-Eloni wakwaZebuloni wahlulela u-Israyeli; wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyishumi.

[12]U-Eloni wakwaZebuloni wafa, wembelwa e-Ajaloni ezweni lakwaZebuloni.

[13]Emva kwakhe u-Abidoni indodana kaHileli wasePirathoni wahlulela u-Israyeli.

[14] Wayenamadodana angamashumi amane namadodana amadodana akhe angamashumi amathathu agibela amathole ezimbongolo angamashumi ayisikhombisa; wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyisishiyagalombili.

[15]U-Abidoni indodana kaHileli wasePirathoni wafa, wembelwa ePirathoni ezweni lakwa-Efrayimi ezintabeni zama-Amaleki.

AbAhluleli 13

Ukuzalwa kukaSamsoni

[1]Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova; uJehova wabanikela esandleni samaFilisti iminyaka engamashumi amane.

[2]Kwakukhona umuntu othile waseSora womndeni wakwaDani ogama lakhe lalinguManowa; umkakhe wayeyinyumba engazali.

[3]Certo dia o Anjo do Senhor apareceu a ela e lhe disse: “Você é estéril, não tem filhos, mas engravidará e dará à luz um filho.

[4]Todavia, tenha cuidado, não beba vinho nem outra bebida fermentada e não coma nada impuro;

[5]e não se passará navalha na cabeça do filho que você vai ter, porque o menino será nazireu, consagrado a Deus desde o nascimento; ele iniciará a libertação de Israel das mãos dos filisteus”.

[6]Então a mulher foi contar tudo ao seu marido: “Um homem de Deus veio falar comigo. Era como um anjo de Deus, de aparência impressionante. Não lhe perguntei de onde tinha vindo, e ele não me disse o seu nome,

[7]mas ele me assegurou: ‘Você engravidará e dará à luz um filho. Todavia, não beba vinho nem outra bebida fermentada, e não coma nada impuro, porque o menino será nazireu, consagrado a Deus, desde o nascimento até o dia da sua morte’ ”.

[8]Então Manoá orou ao Senhor: “Senhor, eu te imploro que o homem de Deus que enviaste volte para nos instruir sobre o que fazer com o menino que vai nascer”.

[9]Deus ouviu a oração de Manoá, e o Anjo de Deus veio novamente falar com a

[3]Ingelosi kaJehova yabonakala kowesifazane, yathi kuye: Bheka-ke, uyinyumba, awuzali, kepha uyakukhulelwa, uzale indodana.

[4] Ngalokho ake uxwaye ungaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, ungadli lutho olungcolileyo,

[5]ngokuba bheka, uyakukhulelwa, uzale indodana, impuco ayiyikuthinta ekhanda layo, ngokuba umntwana uyakuba ngumNaziri kaNkulunkulu kwasesizalweni; uyakuqala ukusindisa u-Israyeli esandleni samaFilisti.

[6]Owesifazane wayeseya ukubika endodeni yakhe, ethi: Kufikile kimi umuntu kaNkulunkulu, isimo sakhe sasinjengesimo sengelosi kaNkulunkulu, sesabeka kakhulu; angimbuzanga ukuthi uvelaphi, naye akangitshelanga igama lakhe.

[7]Kepha wathi kimi: Bheka, uyakukhulelwa, uzale indodana; ngakho ungaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, ungadli lutho olungcolileyo, ngokuba umntwana uyakuba ngumNaziri kaNkulunkulu kwasesizalweni kuze kube sosukwini lokufa kwakhe.

[8]UManowa wayesemncenga uJehova, wathi: O Nkosi, umuntu kaNkulunkulu owamthumayo ake abuyele kithi, asifundise ukuthi siyakwenzani kumntwana ozakuzalwa.

[9]UNkulunkulu walalela izwi likaManowa; ingelosi kaNkulunkulu yabuyela

mulher quando ela estava sentada no campo; Manoá, seu marido, não estava com ela.

kowesifazane ehlezi endle; kepha uManowa indoda yakhe wayengenaye.

[10]Mas ela foi correndo contar ao marido: “O homem que me apareceu outro dia está aqui!”

[10]Owesifazane washesha, wagijima, wayitshela indoda yakhe, wathi kuyo: Bheka, ubonakele kimi lowo muntu owafika kimi ngolunye usuku.

[11]Manoá levantou-se e seguiu a mulher. Quando se aproximou do homem, perguntou: “Foste tu que falaste com a minha mulher?” “Sim”, disse ele.

[11]UManowa wasukuma wamlandela umkakhe, wafika kulowo muntu, wathi kuye: Wena ungumuntu lowo owakhuluma kowesifazane na? Wathi: Nginguye.

[12]“Quando as tuas palavras se cumprirem”, Manoá perguntou, “como devemos criar o menino? O que ele deverá fazer?”

[12]Wayesethi uManowa: Nxa esenzekile amazwi akho, iyakuba yini indlela yomntwana, kuyakwenziwani na?

[13]O Anjo do Senhor respondeu: “Sua mulher terá que seguir tudo o que eu ordenei a você.

[13]Ingelosi kaJehova yathi kuManowa: Konke engakushoyo kowesifazane makakuxwaye.

[14]Ela não poderá comer nenhum produto da videira, nem vinho ou bebida fermentada, nem comer nada impuro. Terá que obedecer a tudo o que ordenei a você”.

[14]Kangadli lutho oluvela ezithelweni zomvini, kangaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, kangadli lutho olungcolileyo; konke engamyaleza ngakho kakugcine.

[15]Manoá disse ao Anjo do Senhor: “Gostaríamos que ficasses conosco; queremos oferecer-te um cabrito”.

[15] UManowa wayesethi engelosini kaJehova: Ake sikulibazise, sikulungisele izinyane lembuzi.

[16]O Anjo do Senhor respondeu: “Se eu ficar, não comerei nada. Mas, se você preparar um holocausto, ofereça-o ao Senhor”. Manoá não sabia que ele era o Anjo do Senhor.

[16]Ingelosi kaJehova yathi kuManowa: Noma ungilibazisa, angiyikudla ukudla kwakho; uma ulungisa umnikelo wokushiswa, uyakunikela ngawo kuJehova. Ngokuba uManowa wayengazi ukuthi uyingelosi kaJehova.

[17]Então Manoá perguntou ao Anjo do Senhor: “Qual é o teu nome, para que te prestemos homenagem quando se cumprir a tua palavra?”

[18]Ele respondeu: “Por que pergunta o meu nome? Meu nome está além do entendimento”.

[19]Então Manoá apanhou um cabrito e a oferta de cereal e os ofereceu ao Senhor sobre uma rocha. E o Senhor fez algo estranho enquanto Manoá e sua mulher observavam:

[20]quando a chama do altar subiu ao céu, o Anjo do Senhor subiu na chama. Vendo isso, Manoá e sua mulher prostraram-se com o rosto em terra.

[21]Como o Anjo do Senhor não voltou a manifestar-se a Manoá e à sua mulher, Manoá percebeu que era o Anjo do Senhor.

[22]“Sem dúvida vamos morrer!” disse ele à mulher, “pois vimos a Deus!”

[23]Mas a mulher respondeu: “Se o Senhor tivesse a intenção de nos matar, não teria aceitado o holocausto e a oferta de cereal das nossas mãos, não nos teria mostrado todas essas coisas e não nos teria revelado o que agora nos revelou”.

[24]A mulher deu à luz um menino e pôs-lhe o nome de Sansão. Ele cresceu, e o Senhor o abençoou,

[25]e o Espírito do Senhor começou a agir nele quando ele se achava em Maané-Dã, entre Zorá e Estaol.

[17] UManowa wathi engelosini kaJehova: Ngubani igama lakho ukuba, lapho esenzekile amazwi akho, sikudumise?

[18] Ingelosi kaJehova yathi kuye: Ubuzelani igama lami, lokhu liyimfihlakalo, na?

[19] UManowa walithatha izinyane lembuzi kanye nomnikelo wempuphu, wanikela ngakho kuJehova edwaleni. Yase yenza okumangalisayo, uManowa nomkakhe bebukela.

[20]Kwathi ilangabi lisaphuma e-altare lenyukela ngasezulwini, ingelosi kaJehova yenyuka elangabini le-altare; uManowa nomkakhe babukela; bawa ngobuso emhlabathini.

[21]Kepha ingelosi kaJehova ayiphindanga ukubonakala kuManowa nomkakhe. Khona uManowa waqonda ukuthi yingelosi kaJehova.

[22] UManowa wathi kumkakhe: Siyakufa nokufa, ngokuba simbonile uNkulunkulu.

[23]Kepha umkakhe wathi kuye: Uma uNkulunkulu ebethanda ukusibulala, nga engamukelanga esandleni sethu umnikelo wokushiswa nomnikelo wempuphu, futhi nga engasibonisanga konke lokho, nga engasitshelanga izinto njengalezi.

[24]Owesifazane wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uSamsoni; umntwana wakhula, uJehova wambusisa.

[25] UMoya kaJehova waqala ukumqhuba eMahane Dani phakathi kweSora ne-Eshitawoli.

Juízes 14

O Casamento de Sansão

[1]Sansão desceu a Timna e viu ali uma mulher do povo filisteu.

[2]Quando voltou para casa, disse a seu pai e a sua mãe: “Vi uma mulher filisteia em Timna; consigam essa mulher para ser minha esposa”.

[3]Seu pai e sua mãe lhe perguntaram: “Será que não há mulher entre os seus parentes ou entre todo o seu povo? Você tem que ir aos filisteus incircuncisos para conseguir esposa?” Sansão, porém, disse ao pai: “Consiga-a para mim. É ela que me agrada”.

[4]Seus pais não sabiam que isso vinha do Senhor, que buscava ocasião contra os filisteus; pois naquela época eles dominavam Israel.

[5]Sansão foi para Timna com seu pai e sua mãe. Quando se aproximavam das vinhas de Timna, de repente um leão forte veio rugindo na direção dele.

[6]O Espírito do Senhor apossou-se de Sansão, e ele, sem nada nas mãos, rasgou o leão como se fosse um cabrito. Mas não contou nem ao pai nem à mãe o que fizera.

[7]Então foi conversar com a mulher de quem gostava.

[8]Algum tempo depois, quando voltou para casar-se com ela, Sansão saiu do caminho

AbAhluleli 14

Umshado kaSamsoni nemfumbe yakhe

[1]USamsoni wehlela eThimna; wabona owesifazane eThimna wamadodakazi amaFilisti.

[2]Wakhuphuka, wabatshela uyise nonina, wathi: Ngibonile owesifazane eThimna wamadodakazi amaFilisti; ngalokho ngithatheleni yena abe ngumkami.

[3] Uyise nonina base bethi kuye: Akakho yini owesifazane phakathi kwamadodakazi abafowenu noma phakathi kwabo bonke abantu bami, ukuze uye kuthatha umfazi kumaFilisti angasokile, na? USamsoni wathi kuyise: Ngithathele yena, ngokuba uyathandeka kimi.

[4] Kepha uyise nonina babengazi ukuthi lokho kwavela kuJehova, ngokuba wayefuna ithuba lokulwa namaFilisti. Ngaleso sikhathi amaFilisti ayebusa phezu kuka-Israyeli.

[5]USamsoni wayesehla noyise nonina, baya eThimna, bafika ezivinini zaseThimna; bheka, ibhongo lengonyama lamhlangabeza libhodla.

[6] UMoya kaJehova wafika phezu kwakhe ngamandla, walidwengula kungathi udwengula izinyane lembuzi, engaphethe lutho esandleni sakhe: kepha akabatshelanga uyise nonina abekwenzile.

[7]Wehla, wakhuluma nowesifazane; wathandeka kuSamsoni.

[8]Emva kwesikhathi wabuya ukuba amthathe, waphambuka ukuyobona

para olhar o cadáver do leão, e nele havia um enxame de abelhas e mel.

isidumbu sengonyama; bheka, kwakukhona iqulo lezinyosi esidumbini sengonyama kanye noju.

[9]Tirou o mel com as mãos e o foi comendo pelo caminho. Quando voltou aos seus pais, repartiu com eles o mel, e eles também comeram. Mas não lhes contou que tinha tirado o mel do cadáver do leão.

[9]Wazitapa ngezandla zakhe, wahamba, wahamba edla, wafika kuyise nonina, wabapha, badla nabo; kepha akabatshelanga ukuthi wayetape izinyosi esidumbini sengonyama.

[10]Seu pai desceu à casa da mulher, e Sansão deu ali uma festa, como era costume dos noivos.

[10]Uyise wehla, waya kulowo wesifazane, uSamsoni wenza idili khona, ngokuba zazenze njalo izinsizwa.

[11]Quando ele chegou, trouxeram-lhe trinta rapazes para o acompanharem na festa.

[11]Kwathi lapho bembona, baletha abayeni abangamashumi amathathu ukuba babe naye.

[12]“Vou propor um enigma para vocês”, disse-lhes Sansão. “Se vocês puderem dar-me a resposta certa durante os sete dias da festa, então eu darei a vocês trinta vestes de linho e trinta mudas de roupas.

[12]USamsoni wathi kubo: Ake ngininike imfumbe; uma ningitshela yona kahle ngezinsuku eziyisikhombisa zedili, niyiqandele, ngiyakuninika amayembe angamashumi amathathu nezingubo zokuphendulela ezingamashumi amathathu;

[13]Se não conseguirem dar-me a resposta, vocês me darão trinta vestes de linho e trinta mudas de roupas.” “Proponha-nos o seu enigma”, disseram. “Vamos ouvi-lo.”

[13]kepha uma ningenakuyiqandela kimi, niyakunginika amayembe angamashumi amathathu nezingubo zokuphendulela ezingamashumi amathathu. Bathi kuye: Yisho imfumbe yakho ukuba siyizwe.

[14]Disse ele então: “Do que come saiu comida; do que é forte saiu doçura”. Durante três dias eles não conseguiram dar a resposta.

[14]Wayesethi kubo: Kodlayo kwaphuma ukudla, konamandla kwavela okumnandi. Babengenakuyiqandela imfumbe ngezinsuku ezintathu.

[15]No quarto dia disseram à mulher de Sansão: “Convença o seu marido a explicar o enigma. Caso contrário, poremos fogo em você e na família de seu pai, e vocês

[15]Kwathi ngosuku lwesikhombisa bathi kumkaSamsoni: Yenza umyeni wakho ukuba asichasisele imfumbe, funa sikushise wena nendlu kayihlo ngomlilo;

morrerão. Você nos convidou para nos roubar?”

[16]Então a mulher de Sansão implorou-lhe aos prantos: “Você me odeia! Você não me ama! Você deu ao meu povo um enigma, mas não me contou a resposta!” “Nem a meu pai nem à minha mãe expliquei o enigma”, respondeu ele. “Por que deveria explicá-lo a você?”

[17]Ela chorou durante o restante da semana da festa. Por fim, no sétimo dia, ele lhe contou, pois ela continuava a perturbá-lo. Ela, por sua vez, revelou o enigma ao seu povo.

[18]Antes do pôr do sol do sétimo dia, os homens da cidade vieram lhe dizer: “O que é mais doce que o mel? O que é mais forte que o leão?” Sansão lhes disse: “Se vocês não tivessem arado com a minha novilha, não teriam solucionado o meu enigma”.

[19]Então o Espírito do Senhor apossou-se de Sansão. Ele desceu a Ascalom, matou trinta homens, pegou as suas roupas e as deu aos que tinham explicado o enigma. Depois, enfurecido, foi para a casa do seu pai.

[20]E a mulher de Sansão foi dada ao amigo que tinha sido o acompanhante dele no casamento.

Juízes 15

A Vingança de Sansão

nisimemele ukuba nisidle na? Akunjalo na?

[16]UmkaSamsoni wakhala phambi kwakhe, wathi: Uyangizonda kuphela, awungithandi; unikile abakithi imfumbe, awungitshelanga yona. Wathi kuye: Bheka, angibatshelanga ubaba nomame, ngiyakukutshela wena na?

[17]Wakhala phambi kwakhe izinsuku eziyisikhombisa, lisekhona idili labo; kwathi ngosuku lwesikhombisa wayesemtshela, ngokuba wamcindezela kakhulu; wayisho imfumbe kwabakubo.

[18]Abantu bomuzi bathi kuye ngosuku lwesikhombisa, lingakashoni ilanga: Kuyini okumnandi kunezinyosi? Kuyini okunamandla kunengonyama na? Wathi kubo: Uma beningalimanga ngesithokazi sami, ngabe ningayiqandelanga imfumbe yami.

[19]UMoya kaJehova wafika kuye ngamandla, wehlela e-Ashikeloni, wabulala abantu abangamashumi amathathu kubo, wathatha isambatho sabo, wabanika abayiqandele imfumbe izingubo zokuphendulela. Intukuthelo yakhe yavutha, wenyukela endlini kayise.

[20]Kepha umkaSamsoni wanikwa kumngane wakhe owabe ngomunye wabayeni bakhe.

AbAhluleli 15

USamsoni nezimpungushe ezingamakhulu amathathu

[1]Algum tempo depois, na época da colheita do trigo, Sansão foi visitar a sua mulher e levou-lhe um cabrito. “Vou ao quarto da minha mulher”, disse ele. Mas o pai dela não quis deixá-lo entrar.

[2]“Eu estava tão certo de que você a odiava”, disse ele, “que a dei ao seu amigo. A sua irmã mais nova não é mais bonita? Fique com ela no lugar da irmã”.

[3]Sansão lhes disse: “Desta vez ninguém poderá me culpar quando eu acertar as contas com os filisteus!”

[4]Então saiu, capturou trezentas raposas e as amarrou aos pares pela cauda. Depois prendeu uma tocha em cada par de caudas,

[5]acendeu as tochas e soltou as raposas no meio das plantações dos filisteus. Assim ele queimou os feixes, o cereal que iam colher e também as vinhas e os olivais.

[6]Os filisteus perguntaram: “Quem fez isso?” Responderam-lhes: “Foi Sansão, o genro do timnita, porque a sua mulher foi dada ao seu amigo”. Então os filisteus foram e queimaram a mulher e seu pai.

[7]Sansão lhes disse: “Já que fizeram isso, não sossegarei enquanto não me vingar de vocês”.

[1]Kodwa kwathi emva kwesikhathi, ngesikhathi sokuvuna ukolweni, uSamsoni wahambela umkakhe enezinyane lembuzi; wathi: Ngiyakungena kumkami ekamelweni. Kepha uyise kavumanga ukuba angene.

[2]Uyise wathi: Bengithi impela umalile nokumala; ngalokho ngamnika umngane wakho; udadewabo omelamayo kamuhle kunaye na? Ake umthathe esikhundleni sakhe.

[3]USamsoni wathi kubo: Okwalesi sikhathi anginacala kumaFilisti, uma ngiwenzela okubi.

[4]USamsoni wahamba, wabamba izimpungushe ezingamakhulu amathathu, wathatha izikhuni, wazibhekisana ngemisila, wafaka isikhuni phakathi kwemisila ngamibili.

[5]Wazithungela izikhuni ngomlilo, wazivumela ukuba zingene phakathi kwamabele amaFilisti engakavunwa, washisa amaqhinqa nezinhlanga zamabele kanye nezivini neminqumo.

[6]AmaFilisti ayesethi: Ngubani okwenzile lokho na? Bathi: NguSamsoni, umkhwenyana wowaseThimna, ngokuba yena uthathe umkakhe, wamnika umngane wakhe. AmaFilisti akhuphuka, amshisa yena noyise ngomlilo.

[7]USamsoni wathi kubo: Uma nenze njalo, impela ngiyakuphindisela kini, andukuba ngiyeke.

[8]Ele os atacou sem dó nem piedade e fez terrível matança. Depois desceu e ficou numa caverna da rocha de Etã.

[9]Os filisteus foram para Judá e lá acamparam, espalhando-se pelas proximidades de Leí.

[10]Os homens de Judá perguntaram: “Por que vocês vieram lutar contra nós?” Eles responderam: “Queremos levar Sansão amarrado, para tratá-lo como ele nos tratou”.

[11]Três mil homens de Judá desceram então à caverna da rocha de Etã e disseram a Sansão: “Você não sabe que os filisteus dominam sobre nós? Você viu o que nos fez?” Ele respondeu: “Fiz a eles apenas o que eles me fizeram”.

[12]Disseram-lhe: “Viemos amarrá-lo para entregá-lo aos filisteus”. Sansão disse: “Jurem-me que vocês mesmos não me matarão”.

[13]“Certamente que não!”, responderam. “Somente vamos amarrá-lo e entregá-lo nas mãos deles. Não o mataremos.” E o prenderam com duas cordas novas e o fizeram sair da rocha.

[14]Quando ia chegando a Leí, os filisteus foram ao encontro dele aos gritos. Mas o Espírito do Senhor apossou-se dele. As cordas em seus braços se tornaram como fibra de linho queimada, e os laços caíram das suas mãos.

[8]Wababulala ithebe nethanga ngokubulala okukhulu; wehla, wahlala ofantwini lwedwala lase-Etamu.

USamsoni ubulala ngomhlathi wembongolo

[9]AmaFilisti akhuphuka, amisa kwaJuda, ahlakazeka eLehi.

[10]Abantu bakwaJuda bathi: Nisikhuphukeleleni na? Bathi: Sikhuphukele ukuba simbophe uSamsoni, senze kuye njengalokho enze kithina.

[11]Abantu abayizinkulungwane ezintathu bakwaJuda behlela ofantwini lwedwala lase-Etamu, bathi kuSamsoni: Awukwazi yini ukuthi amaFilisti abusa phezu kwethu na? Kuyini, pho, lokho okwenzile kithina na? Wathi kubo: Njengalokho benza kimi, ngenze njalo kubo.

[12]Base bethi kuye: Sehlele ukuba sikubophe, ukuze sikunikele esandleni samaFilisti. USamsoni wathi kubo: Fungani kimi ukuthi nina aniyikungisukela.

[13]Basho kuye, bathi: Qha, kepha siyakukubopha nokukubopha, sikunikele esandleni sawo, kodwa impela asiyikukubulala. Bambopha ngezintambo ezimbili ezintsha, bamkhuphulela edwaleni.

[14]Lapho efika eLehi, amaFilisti amhlangabeza ekhamuluka; uMoya kaJehova wafika kuye ngamandla, izintambo ezazisezingalweni zakhe zaba njengefilakisi elishiswe ngomlilo,

nezibopho zakhe zancibilika, zasuka ezandleni zakhe.

[15]Encontrando a carcaça de um jumento, pegou a queixada e com ela matou mil homens.

[15]Wafumana umhlathi wembongolo osemusha, welula isandla sakhe, wawuthatha, wabulala ngawo abantu abayinkulungwane.

[16]Disse ele então: “Com uma queixada de jumento fiz deles montões. Com uma queixada de jumento matei mil homens”.

[16]Wathi uSamsoni: Ngomhlathi wembongolo ngibulele inqwaba, yebo, izinqwaba ezimbili, ngomhlathi wembongolo abantu abayinkulungwane.

[17]Quando acabou de falar, jogou fora a queixada; e o local foi chamado Ramate-Leí.

[17]Kwathi eseqedile ukukhuluma, wawulahla umhlathi esandleni sakhe; leyo ndawo yathiwa iRamati Lehi.

[18]Sansão estava com muita sede e clamou ao Senhor: “Deste pela mão de teu servo esta grande vitória. Morrerei eu agora de sede para cair nas mãos dos incircuncisos?”

[18]Wayesomile kakhulu, wakhala kuJehova, wathi: Wenzile lokhu kukhululeka okukhulu ngesandla senceku yakho; kepha manje sengiyakufa ukoma, ngiwele esandleni sabangasokile.

[19]Deus então abriu a rocha que há em Leí, e dela saiu água. Sansão bebeu, suas forças voltaram, e ele recobrou o ânimo. Por esse motivo essa fonte foi chamada En-Hacoré, e ainda lá está, em Leí.

[19]Kodwa uNkulunkulu wadabula isigoxi esiseLehi, kwaphuma amanzi kuso; lapho esephuzile, umoya wakhe wabuya, wahlumeleleka; ngalokho igama laso labizwa ngokuthi i-Eni Hakore eliseLehi kuze kube namuhla.

[20]Sansão liderou Israel durante vinte anos, no tempo do domínio dos filisteus.

[20]Wahlulela u-Israyeli ngezinsuku zamaFilisti iminyaka engamashumi amabili.

Juízes 16

Sansão e Dalila

[1]Certa vez Sansão foi a Gaza, viu ali uma prostituta e passou a noite com ela.

[2]Disseram ao povo de Gaza: “Sansão está aqui!” Então cercaram o local e ficaram à espera dele a noite toda, junto à porta da

AbAhluleli 16

Izivalo zomuzi waseGaza

[1]USamsoni waya eGaza; wabona lapho isifebe, wangena kuso.

[2]Kwathiwa kumaGaza: USamsoni ufikile lapha. Bamhaqa, bamqamekela ubusuku bonke esangweni lomuzi; bathula ubusuku bonke, bathi: Makube

cidade. Não se moveram a noite inteira, dizendo: "Ao amanhecer o mataremos".

sekukhanyeni kokusa; khona siyakumbulala.

[3]Sansão, porém, ficou deitado só até a meia-noite. Levantou-se, agarrou firme a porta da cidade, com os dois batentes, e os arrancou, com tranca e tudo. Pôs tudo nos ombros e o levou ao topo da colina que fica defronte de Hebrom.

[3]USamsoni walala kwaze kwaba phakathi kwamabili; wavuka phakathi kobusuku, wabamba izivalo zesango lomuzi nezinsika zombili, wazincothula kanye nomgoqo, wazibeka emahlombe akhe, wazikhuphulela esiqongweni sentaba ephambi kweHebroni.

UDelila

[4]Depois dessas coisas, ele se apaixonou por uma mulher do vale de Soreque, chamada Dalila.

[4]Kwathi ngasemuva wathanda owesifazane esiGodini saseSoreki ogama lakhe lalinguDelila.

[5]Os líderes dos filisteus foram dizer a ela: "Veja se consegue induzi-lo a mostrar para você o segredo da sua grande força e como poderemos dominá-lo, para que o amarremos e o subjuguemos. Cada um de nós dará a você treze quilos de prata".

[5] Amakhosi amaFilisti enyukela kuye, athi kuye: Myenge, ubone ukuthi amandla akhe amakhulu aphi nokuthi singamahlula ngani ukuba simbophe, simnqobe; siyakukunika, kube yilowo nalowo, izinhlamvu eziyinkulungwane nekhulu zesiliva.

[6]Disse, pois, Dalila a Sansão: "Conte-me, por favor, de onde vem a sua grande força e como você pode ser amarrado e subjugado".

[6]UDelila wathi kuSamsoni: Ake ungitshele ukuthi amandla akho amakhulu aphi nokuthi ungaboshwa ngani, unqotshwe.

[7]Respondeu-lhe Sansão: "Se alguém me amarrar com sete tiras de couro ainda úmidas, ficarei tão fraco quanto qualquer outro homem".

[7]USamsoni wathi kuye: Uma bengibopha ngezinsinga eziyisikhombisa ezimanzi ezingakomi, ngiyakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

[8]Então os líderes dos filisteus trouxeram a ela sete tiras de couro ainda úmidas, e Dalila o amarrou com elas.

[8]Amakhosi amaFilisti ayeseletha kuye izinsinga eziyisikhombisa ezimanzi ezingakomi, wambopha ngazo.

[9]Tendo homens escondidos no quarto, ela o chamou: "Sansão, os filisteus o estão atacando!" Mas ele arrebentou as tiras de couro como se fossem um fio de estopa

[9]Wayenabaqamekeli behlezi ekamelweni eliphakathi. Wayesethi kuye: AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Wayesegqabula izinsinga njengentambo yefilakisi

posto perto do fogo. Assim, não se descobriu de onde vinha a sua força.

igqatshulwa, lapho izwa umlilo. Ngalokho amandla akhe awaziwanga.

[10]Disse Dalila a Sansão: “Você me fez de boba; mentiu para mim! Agora conte-me, por favor, como você pode ser amarrado”.

[10]Wayesethi uDelila kuSamsoni: Bheka, udlale ngami, wangitshela amanga; ake ungitshele manje ukuthi ungaboshwa ngani.

[11]Ele disse: “Se me amarrarem firmemente com cordas que nunca tenham sido usadas, ficarei tão fraco quanto qualquer outro homem”.

[11]Wathi kuye: Uma bengibopha ngamagoda amasha okungasetshenziwanga ngawo, ngiyakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

[12]Dalila o amarrou com cordas novas. Depois, tendo homens escondidos no quarto, ela o chamou: “Sansão, os filisteus o estão atacando!” Mas ele arrebentou as cordas de seus braços como se fossem uma linha.

[12]UDelila wayesethatha amagoda amasha, wambopha ngawo, wathi kuye: AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Abaqamekeli babehlezi ekamelweni eliphakathi. Wawagqabula ezingalweni zakhe njengomucwana.

[13]Disse Dalila a Sansão: “Até agora você me fez de boba e mentiu para mim. Diga-me como pode ser amarrado”. Ele respondeu: “Se você tecer num pano as sete tranças da minha cabeça e o prender com uma lançadeira, ficarei tão fraco quanto qualquer outro homem”. Assim, enquanto ele dormia, Dalila teceu as sete tranças da sua cabeça num pano

[13]UDelila wayesethi kuSamsoni: Kuze kube manje udlale ngami, wangitshela amanga; ngitshele ukuthi ungaboshwa ngani. Wathi kuye: Uma weluka amagoda ayisikhombisa ekhanda lami nezintambo zakho zokwelukwa.

[14]e o prendeu com a lançadeira. Novamente ela o chamou: “Sansão, os filisteus o estão atacando!” Ele despertou do sono e arrancou a lançadeira e o tear, com os fios.

[14]Wawabethela-ke ngesikhonkwane, wathi kuye: AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Wavuka ebuthongweni, wasincothula isikhonkwane sokweluka nezintambo zokwelukwa.

[15]Então ela lhe disse: “Como você pode dizer que me ama se não confia em mim? Esta é a terceira vez que você me fez de

[15]Wayesethi kuye: Ungasho kanjani ukuthi uyangithanda, nxa inhliziyo yakho ingenami na? Usudlale ngami kathathu,

boba e não contou o segredo da sua grande força”.

16Importunando-o o tempo todo, ela o cansava dia após dia, ficando ele a ponto de morrer.

17Por isso ele lhe contou o segredo: “Jamais se passou navalha em minha cabeça”, disse ele, “pois sou nazireu, desde o ventre materno. Se fosse rapado o cabelo da minha cabeça, a minha força se afastaria de mim, e eu ficaria tão fraco quanto qualquer outro homem”.

18Quando Dalila viu que Sansão lhe tinha contado todo o segredo, enviou esta mensagem aos líderes dos filisteus: “Subam mais esta vez, pois ele me contou todo o segredo”. Os líderes dos filisteus voltaram a ela levando a prata.

19Fazendo-o dormir no seu colo, ela chamou um homem para cortar as sete tranças do cabelo dele, e assim começou a subjugá-lo. E a sua força o deixou.

20Então ela chamou: “Sansão, os filisteus o estão atacando!” Ele acordou do sono e pensou: “Sairei como antes e me livrarei”. Mas não sabia que o Senhor o tinha deixado.

21Os filisteus o prenderam, furaram os seus olhos e o levaram para Gaza. Prenderam-no com algemas de bronze, e o puseram a girar um moinho na prisão.

awungitshelanga ukuthi amandla akho aphi.

16 Kwathi lapho emcindezela yonke imihla ngamazwi akhe, emgqugquza, wakhathazeka umphefumulo wakhe kwaze kwaba sekufeni.

17 Wamtshela inhliziyo yakhe yonke, wathi kuye: Akuthintanga mpuco ekhanda lami, ngokuba bengingumNaziri kaNkulunkulu kwasesizalweni sikamame; uma ngiphuculwa, amandla ami ayakumuka kimi, ngiyakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

18UDelila wabona ukuthi wayemtshelile yonke inhliziyo yakhe; wathuma wawabiza amakhosi amaFilisti, wathi: Yenyukani kalokhu, ngokuba ungitshelile yonke inhliziyo yakhe. Ayesenyukela kuye amakhosi amaFilisti, aletha imali esandleni sawo.

19Wamlalisa ubuthongo emathangeni akhe, wabiza umuntu, waphucula amagoda ayisikhombisa ekhanda lakhe; waqala ukumhlupha, amandla akhe amuka kuye.

20Wathi: AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Wavuka ebuthongweni, wathi: Ngiyakuphuma njengangezinye izikhathi, ngizithintithe. Kepha wayengazi ukuthi uJehova wayemukile kuye.

21 AmaFilisti ambamba, awakhipha amehlo akhe; amehlisela eGaza, ambopha ngamaketanga; wasila etilongweni.

[22]Mas, logo o cabelo da sua cabeça começou a crescer de novo.

A Morte de Sansão

[23]Os líderes dos filisteus se reuniram para oferecer um grande sacrifício a seu deus Dagom e para festejar. Comemorando sua vitória, diziam: “O nosso deus entregou o nosso inimigo Sansão em nossas mãos”.

[24]Quando o povo o viu, louvou o seu deus: “O nosso deus nos entregou o nosso inimigo, o devastador da nossa terra, aquele que multiplicava os nossos mortos”.

[25]Com o coração cheio de alegria, gritaram: “Tragam-nos Sansão para nos divertir!” E mandaram trazer Sansão da prisão, e ele os divertia. Quando o puseram entre as colunas,

[26]Sansão disse ao jovem que o guiava pela mão: “Ponha-me onde eu possa apalpar as colunas que sustentam o templo, para que eu me apoie nelas”.

[27]Homens e mulheres lotavam o templo; todos os líderes dos filisteus estavam presentes e, no alto, na galeria, havia cerca de três mil homens e mulheres vendo Sansão, que os divertia.

[28]E Sansão orou ao Senhor: “Ó Soberano Senhor, lembra-te de mim! Ó Deus, eu te suplico, dá-me forças, mais uma vez, e faze com que eu me vingue dos filisteus por causa dos meus dois olhos!”

[22]Nokho izinwele zekhanda lakhe zaqala ukuhluma futhi esephuculiwe.

Isenzo sokugcina sikaSamsoni nokufa nokumbelwa kwakhe

[23]Amakhosi amaFilisti abuthana ukuba ahlabele uDagoni unkulunkulu wawo umhlatshelo omkhulu, athokoze, ngokuba athi: Unkulunkulu wethu unikele uSamsoni isitha sethu esandleni sethu.

[24]Abantu bambona, bamtusa unkulunkulu wabo, ngokuba bathi: Unkulunkulu wethu unikele esandleni sethu isitha sethu nomchithi wezwe lakithi obulele abaningi phakathi kwethu.

[25]Kwathi lapho izinhliziyo zabo sezesasile, bathi: Mbizeni uSamsoni ukuba asidlalele. Bambiza uSamsoni esetilongweni, wadlala phambi kwabo, bambeka phakathi kwezinsika.

[26]USamsoni wathi kumfana owayembambe ngesandla: Ngivumele ukuphatha izinsika indlu emi ngazo ukuba ngencike kuzo.

[27]Indlu yayigcwele abesilisa nabesifazane; namakhosi onke amaFilisti ayelapho; ophahleni kwakukhona abantu kungathi abayizinkulungwane ezintathu, abesilisa nabesifazane, ababebukela ukudlala kukaSamsoni.

[28] USamsoni wakhala kuJehova, wathi: Nkosi Nkulunkulu, ake ungikhumbule, ungiqinise kube kanye kuphela, Nkulunkulu, ukuba ngiphindise kumaFilisti ngempindiselo ibenye ngenxa yamehlo ami omabili.

[29]Então Sansão forçou as duas colunas centrais sobre as quais o templo se firmava. Apoiando-se nelas, tendo a mão direita numa coluna e a esquerda na outra,

[30]disse: “Que eu morra com os filisteus!” Em seguida, ele as empurrou com toda a força, e o templo desabou sobre os líderes e sobre todo o povo que ali estava. Assim, na sua morte, Sansão matou mais homens do que em toda a sua vida.

[31]Foram, então, os seus irmãos e toda a família do seu pai para buscá-lo. Trouxeram-no e o sepultaram entre Zorá e Estaol, no túmulo de Manoá, seu pai. Sansão liderou Israel durante vinte anos.

[29]USamsoni wayesebamba izinsika ezimbili eziphakathi eyayimi ngazo indlu, wencika kuzo, kwenye ngesandla sokunene, kwenye ngesokhohlo.

[30]USamsoni wathi: Mangife namaFilisti. Wakhothama ngamandla akhe onke, indlu yawela phezu kwamakhosi naphezu kwabo bonke abantu ababe kuyo. Abafileyo ababulalayo ekufeni kwakhe babebaningi kunabo ababulalayo ekuhambeni kwakhe.

[31] Base behla abafowabo nayo yonke indlu kayise, bamthatha, bamenyusa, bammbela phakathi kweSora ne-Eshitawoli ethuneni likaManowa uyise. Wamahlulela u-Israyeli iminyaka engamashumi amabili.

Juízes 17

Os Ídolos de Mica

[1]Havia um homem chamado Mica, dos montes de Efraim,

[2]que disse certa vez à sua mãe: “Os treze quilos de prata que foram roubados de você e pelos quais eu a ouvi pronunciar uma maldição, na verdade a prata está comigo; eu a peguei”. Disse-lhe sua mãe: “O Senhor o abençoe, meu filho!”

[3]Quando ele devolveu os treze quilos de prata à mãe, ela disse: “Consagro solenemente a minha prata ao Senhor para que o meu filho faça uma imagem esculpida e um ídolo de metal. Eu a devolvo a você”.

AbAhluleli 17

UMika nendlu yakhe yezithombe

[1]Kwakukhona umuntu wasezintabeni zakwa-Efrayimi ogama lakhe lalinguMika.

[2]Yena wathi kunina: Lezo zinhlamvu eziyinkulungwane nekhulu zesiliva ezathathwa kuwe, owaziqalekisa, wakhuluma ngazo ezindlebeni zami, bheka, leyo mali ikimi; ngayithatha. Unina wathi: Mayibusiswe nguJehova indodana yami.

[3]Wabuyisela kunina lezo zinhlamvu eziyinkulungwane nekhulu zesiliva; unina wathi: Ngiyangcwelisa impela leli siliva kuJehova esandleni sami, libe ngelendodana yami ukuba kwenziwe isithombe esibaziweyo nesibunjiweyo; manje ngiyakulibuyisela kuwe.

[4]Mas ele devolveu a prata à sua mãe, e ela separou dois quilos e quatrocentos gramas, e os deu a um ourives, que deles fez a imagem e o ídolo. E estes foram postos na casa de Mica.

[4]Kepha walibuyisela isiliva kunina, unina wathatha izinhlamvu ezingamakhulu amabili zesiliva, wazinika umkhandi wesiliva owenza ngazo isithombe esibaziweyo nesibunjiweyo; zase zihlala endlini kaMika.

[5]Ora, esse homem, Mica, possuía um santuário, fez um manto sacerdotal e alguns ídolos da família e pôs um dos seus filhos como seu sacerdote.

[5] Lowo muntu uMika wayenendlu enawonkulunkulu, wenza ingubo yamahlombe namatherafi, wahlukanisela enye indodana yakhe ibe ngumpristi wakhe.

[6]Naquela época, não havia rei em Israel; cada um fazia o que lhe parecia certo.

[6] Ngalezo zinsuku kwakungekho nkosi kwa-Israyeli; yilowo nalowo wenza okulungile emehlweni akhe.

[7]Um jovem levita de Belém de Judá, procedente do clã de Judá,

[7]Kwakukhona insizwa yaseBetlehema Juda yomndeni wakwaJuda eyayingumLevi; yayigogobele khona.

[8]saiu daquela cidade em busca de outro lugar para morar. Em sua viagem, chegou à casa de Mica, nos montes de Efraim.

[8]Lowo muntu wamuka emzini, iBetlehema Juda, ukuyobona lapho engathola khona indawo; ekuhambeni kwakhe wafika ezintabeni zakwa-Efrayimi endlini kaMika.

[9]Mica lhe perguntou: “De onde você vem?” “Sou levita, de Belém de Judá”, respondeu ele. “Estou procurando um lugar para morar.”

[9]UMika wathi kuye: Uvelaphi na? Wathi kuye: NgingumLevi waseBetlehema Juda; ngiyahamba ukubona lapho ngingathola khona indawo.

[10]“Fique comigo”, disse-lhe Mica. “Seja meu pai e sacerdote, e eu darei a você cento e vinte gramas de prata por ano, roupas e comida.”

[10]UMika wayesethi kuye: Hlala kimi, ube ngubaba nompristi wami, ngiyakukunika izinhlamvu eziyishumi zesiliva ngomnyaka, nesambatho, nokudla kwakho. UmLevi wangena.

[11]O jovem levita concordou em ficar com Mica, e tornou-se como um dos seus filhos.

[11]UmLevi wavuma ukuhlala kulowo muntu; nensizwa yaba kuye njengendodana yakhe.

[12]Mica acolheu o levita, e o jovem se tornou seu sacerdote, e ficou morando em sua casa.
[13]E Mica disse: “Agora sei que o Senhor me tratará com bondade, pois esse levita se tornou meu sacerdote”.

Juízes 18

A Tribo de Dã se Estabelece em Laís

[1]Naquela época, não havia rei em Israel, e a tribo de Dã estava procurando um local onde se estabelecer, pois ainda não tinha recebido herança entre as tribos de Israel.

[2]Então enviaram cinco guerreiros de Zorá e de Estaol para espionarem a terra e explorá-la. Esses homens representavam todos os clãs da tribo. Disseram-lhes: “Vão, explorem a terra”. Os homens chegaram aos montes de Efraim e foram à casa de Mica, onde passaram a noite.
[3]Quando estavam perto da casa de Mica, reconheceram a voz do jovem levita; aproximaram-se e lhe perguntaram: “Quem o trouxe para cá? O que você está fazendo neste lugar? Por que você está aqui?”
[4]O jovem lhes contou o que Mica fizera por ele, e disse: “Ele me contratou, e eu sou seu sacerdote”.

[5]Então eles lhe pediram: “Pergunte a Deus se a nossa viagem será bem-sucedida”.

[12]UMika wayesahlukanisela umLevi, leyo nsizwa yaba ngumpristi wakhe, yahlala endlini kaMika.
[13]Wayesethi uMika: Manje sengiyazi ukuthi uJehova uyakungenzela okuhle, lokhu nginomLevi ongumpristi wami.

AbAhluleli 18

AbakwaDani nezithombe zikaMika

[1] Ngalezo zinsuku kwakungekho nkosi kwa-Israyeli; ngalezo zinsuku isizwe sakwaDani sazifunela ifa lokuhlala, ngokuba kuze kube ngalolo suku babengabelwanga ifa phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli.
[2]Abantwana bakwaDani bathuma abantu abayisihlanu bomndeni wabo, bephuma kuso sonke isizwe sabo, amaqhawe, beseSora nase-Eshitawoli, ukuba bahlole izwe, balicinge; bathi kubo: Hambani, nilicinge izwe, bafika ezintabeni zakwa-Efrayimi endlini kaMika, bahlala khona.

[3] Lapha besengasendlini kaMika, balazi izwi lensizwa engumLevi, baphambukela khona, bathi kuye: Walethwa ngubani lapha? Wenzani kule ndawo? Ufunani lapha?

[4]Wathi kubo: UMika ungenzele ukuthi nokuthi; ungiqashile ngaba ngumpristi wakhe.
[5]Base bethi kuye: Ake umbuze uNkulunkulu ukuze sazi uma indlela yethu esiyihambayo iyakuba nempumelelo.

[6]O sacerdote lhes respondeu: “Vão em paz. Sua viagem tem a aprovação do Senhor”.

[7]Os cinco homens partiram e chegaram a Laís, onde viram que o povo vivia em segurança, como os sidônios, despreocupado e tranquilo, e gozava prosperidade, pois a sua terra não lhe deixava faltar nada. Viram também que o povo vivia longe dos sidônios e não tinha relações com nenhum outro povo.

[8]Quando voltaram a Zorá e a Estaol, seus irmãos lhes perguntaram: “O que descobriram?”

[9]Eles responderam: “Vamos atacá-los! Vimos que a terra é muito boa. Vocês vão ficar aí sem fazer nada? Não hesitem em ir apossar-se dela.

[10]Chegando lá, vocês encontrarão um povo despreocupado e uma terra espaçosa que Deus pôs nas mãos de vocês, terra onde não falta coisa alguma!”

[11]Então seiscentos homens da tribo de Dã partiram de Zorá e de Estaol, armados para a guerra.

[12]Na viagem armaram acampamento perto de Quiriate-Jearim, em Judá. É por isso que até hoje o local, a oeste de Quiriate-Jearim, é chamado Maané-Dã.

[13]Dali foram para os montes de Efraim e chegaram à casa de Mica.

[6]Umpristi wathi kubo: Hambani nokuthula; indlela eniyihambayo iphambi kukaJehova.

Ukunqotshwa kweLayishi

[7]Base bemuka labo bantu abayisihlanu, bafika eLayishi, babona abantu abakulo ukuthi basahlala belondekile ngendlela yamaSidoni, benokuthula, bengenaluvalo, ngokuba kwakungekho ezweni onamandla ukuba abajabhise ngalutho; babekude namaSidoni, bengenandaba nabanye abantu.

[8]Babuye bafika kubafowabo eSora nase-Eshitawoli; abafowabo bathi kubo: Nithini na?

[9]Bathi: Sukani, senyukele kubo, ngokuba silibonile izwe; bhekani, lihle kakhulu; niyathula yini? Ningenqeni ukuhamba, ningene ukuba nilidle izwe.

[10]Nxa nihamba, niyakufika kubantu abalondekileyo, izwe libanzi, ngokuba uNkulunkulu ulinikele esandleni senu, indawo lapho kungekho khona ukuswela lutho olusemhlabeni.

[11]Kwase kuphuma lapho kumndeni wakwaDani eSora nase-Eshitawoli abantu abangamakhulu ayisithupha bebhincile izikhali zokulwa.

[12]Benyuka, bamisa eKiriyati Jeharimi kwaJuda; ngalokho bayibiza leyo ndawo ngokuthi iMahane Dani kuze kube namuhla; bheka, lingasemva kweKiriyati Jeharimi.

[13]Basuka khona, baya ezintabeni zakwa-Efrayimi, bafika endlini kaMika.

[14]Os cinco homens que haviam espionado a terra de Laís disseram a seus irmãos: “Vocês sabiam que numa dessas casas há um manto sacerdotal, ídolos da família, uma imagem esculpida e um ídolo de metal? Agora vocês sabem o que devem fazer”.

[14]Abantu abayisihlanu ababeyile ukuhlola izwe laseLayishi base bephendula, bathi kubafowabo: Niyazi yini ukuthi kukhona kulezi zindlu ingubo yamahlombe, namatherafi, nesithombe esibaziweyo, nesithombe esibunjiweyo na? Ngalokho cabangani manje ukuthi niyakwenzani.

[15]Então eles se aproximaram e foram à casa do jovem levita, à casa de Mica, e o saudaram.

[15]Baphambuka khona, bafika endlini yensizwa yomLevi, endlini kaMika, bayibuza impilo.

[16]Os seiscentos homens de Dã, armados para a guerra, ficaram junto à porta.

[16]Abantu abangamakhulu ayisithupha bebhince izikhali zokulwa abangabantwana bakwaDani bema ngasesikhaleni sesango.

[17]Os cinco homens que haviam espionado a terra entraram e apanharam a imagem, o manto sacerdotal, os ídolos da família e o ídolo de metal, enquanto o sacerdote e os seiscentos homens armados permaneciam à porta.

[17]Abantu abayisihlanu ababeyile ukuhlola izwe benyuka, bafika lapho, basithatha isithombe esibaziweyo, nengubo yamahlombe, namatherafi, nesithombe esibunjiweyo; umpristi wema ngasesikhaleni sesango kanye nabantu abangamakhulu ayisithupha bebhince izikhali zokulwa.

[18]Quando os homens entraram na casa de Mica e apanharam a imagem, o manto sacerdotal, os ídolos da família e o ídolo de metal, o sacerdote lhes perguntou: “Que é que vocês estão fazendo?”

[18]Labo sebengenile endlini kaMika basithatha isithombe esibaziweyo, nengubo yamahlombe, namatherafi, nesithombe esibunjiweyo; umpristi wathi kubo: Nenzani na?

[19]Eles lhe responderam: “Silêncio! Não diga nada. Venha conosco, e seja nosso pai e sacerdote. Não será melhor para você servir como sacerdote uma tribo e um clã de Israel do que apenas a família de um só homem?”

[19]Bathi kuye: Thula, ubeke isandla sakho emlonyeni wakho, uhambe nathi, ube ngubaba nompristi wethu; kuhle yini ukuba ube ngumpristi wendlu yomuntu munye kunokuba ube ngumpristi wesizwe nomndeni kwa-Israyeli na?

[20]Então o sacerdote se alegrou, apanhou o manto sacerdotal, os ídolos da família e a imagem esculpida e se juntou à tropa.

[20]Yayisithokoza inhliziyo yompristi, wayithatha ingubo yamahlombe, namatherafi, nesithombe esibaziweyo, wangena phakathi kwabantu.

[21]Pondo os seus filhos, os seus animais e os seus bens na frente deles, partiram de volta.

[21]Baphenduka, bamuka, babeka izingane, nezinkomo, nempahla phambi kwabo.

[22]Quando já estavam a certa distância da casa, os homens que moravam perto de Mica foram convocados e alcançaram os homens de Dã.

[22]Sebekude nendlu kaMika abantu abasezindlini eziseduze nendlu kaMika babuthana, babafica abantwana bakwaDani.

[23]Como vinham gritando atrás deles, estes se voltaram e perguntaram a Mica: “Qual é o seu problema? Por que convocou os seus homens para lutar?”

[23]Bamemeza kubantwana bakwaDani, baphenduka, bathi kuMika: Yini ukuba ufike nesixuku na?

[24]Ele respondeu: “Vocês estão levando embora os deuses que fiz e o meu sacerdote. O que me sobrou? Como é que ainda podem perguntar: ‘Qual é o seu problema?’ ”

[24]Wathi: Nithathile onkulunkulu bami engabenzayo, nompristi, namuka; ngisenani na? Nisholoni kimi ukuthi: Yini na?

[25]Os homens de Dã responderam: “Não discuta conosco, senão alguns homens de temperamento violento o atacarão, e você e a sua família perderão a vida”.

[25]Abantwana bakwaDani base bethi kuye: Izwi lakho malingezwakali phakathi kwethu, funa abantu bathukuthele, banehlele, ulahlekelwe ngukuphila kwakho kanye nabendlu yakho.

[26]E assim os homens de Dã seguiram seu caminho. Vendo que eles eram fortes demais para ele, Mica virou-se e voltou para casa.

[26]Bahamba abantwana bakwaDani; uMika esebonile ukuthi banamandla kunaye, waphenduka, wabuyela endlini yakhe.

[27]Os homens de Dã levaram o que Mica fizera e o seu sacerdote, e foram para Laís, lugar de um povo pacífico e despreocupado. Eles mataram todos ao fio da espada e queimaram a cidade.

[27] Bathatha abekwenzile uMika nompristi wakhe, bafika eLayishi kubantu abanokuthula belondekile, bababulala ngosiko lwenkemba; bashisa umuzi ngomlilo.

[28]Não houve quem os livrasse, pois viviam longe de Sidom e não tinham relações com nenhum outro povo. A cidade ficava num vale que se estende até Bete-Reobe. Os homens de Dã reconstruíram a cidade e se estabeleceram nela.

[29]Deram à cidade anteriormente chamada Laís o nome de Dã, em homenagem a seu antepassado Dã, filho de Israel.

[30]Eles levantaram para si o ídolo, e Jônatas, filho de Gérson, neto de Moisés, e os seus filhos foram sacerdotes da tribo de Dã até que o povo foi para o exílio.

[31]Ficaram com o ídolo feito por Mica durante todo o tempo em que o santuário de Deus esteve em Siló.

Juízes 19

O Levita e a Morte da sua Concubina

[1]Naquela época, não havia rei em Israel. Aconteceu que um levita que vivia nos montes de Efraim, numa região afastada, tomou para si uma concubina, que era de Belém de Judá.

[2]Mas ela lhe foi infiel. Deixou-o e voltou para a casa do seu pai, em Belém de Judá. Quatro meses depois,

[3]seu marido foi convencê-la a voltar. Ele tinha levado o seu servo e dois jumentos. A mulher o levou para dentro da casa do

[28]Kwakungekho owophulayo, ngokuba wawukude neSidoni; babengenandaba nabanye abantu; wawusesigodini esingaseBeti Rehobe. Bawakha umuzi, bahlala kuwo.

[29]Baqamba igama lomuzi ngokuthi uDani ngegama likaDani uyise owazalelwa u-Israyeli; kepha igama lomuzi laliyiLayishi kuqala.

[30] Abantwana bakwaDani bazimisela isithombe esibaziweyo; uJonathani indodana kaGereshomu kaMose yena namadodana akhe babe ngabapristi besizwe sakwaDani kwaze kwaba ngosuku lokuthunjwa kwezwe.

[31] Base bemisa isithombe esibaziweyo sikaMika abesenzile sonke isikhathi indlu kaNkulunkulu iseShilo.

AbAhluleli 19

Isenzo esibi eGibeya

[1] Kwathi ngalezo zinsuku kungekho inkosi kwa-Israyeli, kwakukhona umLevi othile owayegogobele ohlangothini olungasemuva kwezintaba zakwa-Efrayimi, owazithathela isancinza eBetlehema Juda.

[2]Isancinza sakhe samgilela ubufebe, sasuka kuye, saya endlini kayise eBetlehema Juda, sahlala khona isikhathi esiyizinyanga ezine.

[3]Umyeni waso wasuka, wasilandela ukuba akhulume kuyo inhliziyo yaso, asibuyise, enenceku yakhe nezimbongolo ezimbili; samngenisa endlini kayise; lapho uyise

seu pai, e quando seu pai o viu, alegrou-se.

[4]O sogro dele o convenceu a ficar ali; e ele permaneceu com eles três dias; todos comendo, bebendo e dormindo ali.

[5]No quarto dia, eles se levantaram cedo, e o levita se preparou para partir, mas o pai da moça disse ao genro: “Coma alguma coisa, e depois vocês poderão partir”.

[6]Os dois se assentaram para comer e beber juntos. Mas o pai da moça disse: “Eu peço a você que fique esta noite, e que se alegre”.

[7]E, quando o homem se levantou para partir, seu sogro o convenceu a ficar ainda aquela noite.

[8]Na manhã do quinto dia, quando ele se preparou para partir, o pai da moça disse: “Vamos comer! Espere até a tarde!” E os dois comeram juntos.

[9]Então, quando o homem, sua concubina e seu servo levantaram-se para partir, o pai da moça, disse outra vez: “Veja, o dia está quase acabando, é quase noite; passe a noite aqui. Fique e alegre-se. Amanhã de madrugada vocês poderão levantar-se e ir para casa”.

[10]Não desejando ficar outra noite, o homem partiu rumo a Jebus, isto é,

wentombi embona, wathokoza ukuhlangana naye.

[4]Umukhwe wakhe, uyise wentombi, wambambezela, wahlala kuye izinsuku ezintathu; badla, baphuza, bahlala khona.

[5]Kwathi ngosuku lwesine bavuka ekuseni kakhulu, wasuka ukuba ahambe; uyise wentombi wathi kumkhwenyana wakhe: Hlumelela inhliziyo yakho ngocezu lwesinkwa, andukuba nihambe.

[6]Bahlala phansi, badla, baphuza bobabili kanyekanye; uyise wentombi wathi kuyo indoda: Ake udele, ulale ubusuku, ithokoze inhliziyo yakho.

[7]Kepha lowo muntu wasukuma nokho ukuba ahambe; wayesemncengisisa umukhwe wakhe, wabuye walala khona.

[8]Wavuka ekuseni kakhulu ngosuku lwesihlanu ukuba ahambe; uyise wentombi wathi: Ake uhlumelele inhliziyo yakho, nihlale lize lithambame ilanga. Badla-ke bobabili.

[9]Lapho umuntu esesukuma ukuba ahambe, yena nesancinza sakhe nenceku yakhe, umukhwe wakhe, uyise wentombi, wathi kuye: Bheka, ilanga seliyathambama, sekuzakuhlwa; ake uhlale ubusuku bonke; yebo, ilanga seliyakuphela; hlala lapha ukuba inhliziyo yakho ithokoze, nivuke kusasa ekuseni kakhulu, nihambe indlela yenu ukuba ufike etendeni lakho.

[10]Kepha akavumanga lowo muntu ukuhlala lobo busuku, kodwa wavuka wahamba, wafika malungana neJebusi

Jerusalém, com dois jumentos selados e com a sua concubina.

[11]Quando estavam perto de Jebus e já se findava o dia, o servo disse a seu senhor: “Venha. Vamos parar nesta cidade dos jebuseus e passar a noite aqui”.

[12]O seu senhor respondeu: “Não. Não vamos entrar numa cidade estrangeira, cujo povo não é israelita. Iremos para Gibeá”.

[13]E acrescentou: “Ande! Vamos tentar chegar a Gibeá ou a Ramá e passar a noite num desses lugares”.

[14]Então prosseguiram, e o sol se pôs quando se aproximavam de Gibeá de Benjamim.

[15]Ali entraram para passar a noite. Foram sentar-se na praça da cidade. E ninguém os convidou para passarem a noite em sua casa.

[16]Naquela noite, um homem idoso procedente dos montes de Efraim e que estava morando em Gibeá (os homens do lugar eram benjamitas), voltava de seu trabalho no campo.

[17]Quando viu o viajante na praça da cidade, o homem idoso perguntou: “Para onde você está indo? De onde vem?”

[18]Ele respondeu: “Estamos de viagem, indo de Belém de Judá para uma região afastada, nos montes de Efraim, onde moro. Fui a Belém de Judá, e agora estou

eliyiJerusalema; kwakukhona naye izimbongolo ezimbili ziboshelwe izihlalo; nesancinza sakhe sasinaye.

[11]SebengaseJebusi, ilanga lase lidlulile kakhulu; inceku yathi enkosini yayo: Ake uze, siphambukele kulo muzi wamaJebusi, sihlale kuwo.

[12]Inkosi yayo yathi kuyo: Asiyikuphambukela emzini wabafokazi ongesiwo owabantwana bakwa-Israyeli, kepha siyakudlulela eGibeya.

[13]Yayisithi encekwini: Woza, sisondele kwenye yalezi zindawo; siyakulala eGibeya noma eRama.

[14]Base bethula bahamba; ilanga lashona bengaseGibeya elingelakwaBenjamini.

[15]Baphambukela lapho ukuba bangene, balale eGibeya; wangena, wahlala phansi esigcawini somuzi; ngokuba kwakungekho muntu owabamukela endlini yakhe ukuba balale khona.

[16]Bheka, kwafika ixhegu livela emsebenzini walo ensimini kusihlwa; lalingumuntu wasezintabeni zakwa-Efrayimi, lagogobala eGibeya; kepha abantu baleyo ndawo babe ngabakwaBenjamini.

[17]Waphakamisa amehlo akhe, wabona isihambi esigcawini somuzi; ixhegu lase lithi: Uyangaphi na? Uvelaphi na?

[18]Wathi kulo: Siyadlula sivela eBetlehema Juda, siya ohlangothini olungasemuva kwezintaba zakwa-Efrayimi; ngivela khona; ngaya eBetlehema Juda; sengiya

indo ao santuário do Senhor. Mas aqui ninguém me recebeu em casa.

[19]Temos palha e forragem para os nossos jumentos, e para nós mesmos, que somos seus servos, temos pão e vinho, para mim, para a sua serva e para o jovem que está conosco. Não temos falta de nada".

[20]"Você é bem-vindo em minha casa", disse o homem idoso. "Vou atendê-lo no que você precisar. Não passe a noite na praça."

[21]E os levou para a sua casa e alimentou os jumentos. Depois de lavarem os pés, comeram e beberam alguma coisa.

[22]Quando estavam entretidos, alguns vadios da cidade cercaram a casa. Esmurrando a porta, gritaram para o homem idoso, dono da casa: "Traga para fora o homem que entrou em sua casa para que tenhamos relações com ele!"

[23]O dono da casa saiu e lhes disse: "Não sejam tão perversos, meus amigos. Já que esse homem é meu hóspede, não cometam essa loucura.

[24]Vejam, aqui está minha filha virgem e a concubina do meu hóspede. Eu as trarei para vocês, e vocês poderão usá-las e fazer com elas o que quiserem. Mas, nada façam com esse homem, não cometam tal loucura!"

[25]Mas os homens não quiseram ouvi-lo. Então o levita mandou a sua concubina para fora, e eles a violentaram e abusaram

endlini kaJehova, kepha akukho muntu ongamukela endlini yakhe.

[19]Kukhona nokho utshani nefoliji lezimbongolo zethu; mina-ke nginesinkwa newayini, kanjalo nencekukazi yakho nensizwa enathi, izinceku zakho; akusweleke lutho.

[20]Lase lithi ixhegu: Ukuthula makube kuwe; kepha konke okuswelayo makube phezu kwami; kepha ungalali esigcawini.

[21]Lase limngenisa endlini yalo, lazinika izimbongolo ifoliji; bageza izinyawo zabo, badla, baphuza.

[22] Besajabulisa izinhliziyo zabo, bheka, abantu bomuzi, abantu ababi, bahaqa indlu nxazonke, bangqongqotha emnyango; basho kumninindlu, ixhegu, bathi: Khipha lowo muntu owangena endlini yakho ukuba simazi.

[23]Ixhegu, umninindlu, laphumela kubo, lathi kubo: Hhayi, bafowethu, ngiyanicela, ningenzi okubi okungako; lokhu lo muntu engenile endlini yami, ningenzi lobu buwula.

[24]Bhekani, nansi indodakazi yami, intombi, nesancinza sakhe; ngiyakubakhipha bona manje, nibone, nenze kubo njengokuthanda kwenu; kepha kulo muntu ningenzi ubuwula obunjalo.

[25]Kepha abantu kabavumanga ukumlalela; khona lowo muntu wasibamba isancinza sakhe, wasikhiphela kubo; basazi, basona ubusuku bonke

dela a noite toda. Ao alvorecer a deixaram.

[26]Ao romper do dia a mulher voltou para a casa onde o seu senhor estava hospedado, caiu junto à porta e ali ficou até o dia clarear.

[27]Quando o seu senhor se levantou de manhã, abriu a porta da casa e saiu para prosseguir viagem, lá estava a sua concubina, caída à entrada da casa, com as mãos na soleira da porta.

[28]Ele lhe disse: “Levante-se, vamos!” Não houve resposta. Então o homem a pôs em seu jumento e foi para casa.

[29]Quando chegou, apanhou uma faca e cortou o corpo da sua concubina em doze partes, e as enviou a todas as regiões de Israel.

[30]Todos os que viram isso disseram: “Nunca se viu nem se fez uma coisa dessas desde o dia em que os israelitas saíram do Egito. Pensem! Reflitam! Digam o que se deve fazer!”

Juízes 20

A Guerra entre os Israelitas e os Benjamitas

[1]Então todos os israelitas, de Dã a Berseba, e de Gileade, saíram como um só homem e se reuniram em assembleia perante o Senhor, em Mispá.

kwaze kwaba sekuseni; ekuthatheni kokusa basiyeka.

[26]Owesifazane wayesefika ngovivi lokusa, wawa ngasemnyango wendlu yomuntu, lapho yayikhona inkosi yakhe, kwaze kwakhanya.

[27]Inkosi yakhe yavuka ekuseni, yavula iminyango yendlu, yaphuma ukuba ihambe indlela yayo; bheka, owesifazane, isancinza sakhe, wayewile ngasemnyango wendlu, izandla zakhe ziphezu kombundu.

[28]Yathi kuye: Vuka sihambe, kepha akuphendulanga muntu. Yayisimbeka embongolweni yayo; wasuka lowo muntu, waya endaweni yakhe.

[29]Lapho esengenile endlini yakhe, wathatha umese, wabamba isancinza sakhe, wasihlahlela ithambo ngethambo, kwaba yizinqamu eziyishumi nambili, wasithuma emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli.

[30]Kwathi bonke abakubonayo bathi: Akuzange kwenziwe okunjalo, akuzange kubonwe kusukela osukwini abantwana bakwa-Israyeli abakhuphuka ngalo ezweni laseGibithe kuze kube namuhla; zindlani ngalokho, nilulekane, nikhulume.

AbAhluleli 20

Abakwa-Israyeli balwa noBenjamini

[1] Base bephuma bonke abantwana bakwa-Israyeli, inhlangano yahlangana njengomuntu munye, kusukela kwaDani kwaze kwaba seBeri Sheba kanye nezwe lakwaGileyadi kuJehova eMispa.

[2]Os líderes de todo o povo das tribos de Israel tomaram seus lugares na assembleia do povo de Deus, quatrocentos mil soldados armados de espada.

[3](Os benjamitas souberam que os israelitas haviam subido a Mispá.) Os israelitas perguntaram: “Como aconteceu essa perversidade?”

[4]Então o levita, marido da mulher assassinada, disse: “Eu e a minha concubina chegamos a Gibeá de Benjamim para passar a noite.

[5]Durante a noite os homens de Gibeá vieram para atacar-me e cercaram a casa, com a intenção de matar-me. Então violentaram minha concubina, e ela morreu.

[6]Peguei minha concubina, cortei-a em pedaços e enviei um pedaço a cada região da herança de Israel, pois eles cometeram essa perversidade e esse ato vergonhoso em Israel.

[7]Agora, todos vocês, israelitas, manifestem-se e deem o seu veredicto”.

[8]Todo o povo se levantou como se fosse um só homem, dizendo: “Nenhum de nós irá para casa. Nenhum de nós voltará para o seu lar.

[9]Mas é isto que faremos agora contra Gibeá: separaremos, por sorteio, de todas as tribos de Israel,

[2]Izinhloko zabantu bonke, izizwe zonke zakwa-Israyeli, zafika ebandleni labantu bakaNkulunkulu, abantu abayimigundatshani; abayizinkulungwane ezingamakhulu amane, abahlome inkemba.

[3]Abantwana bakwaBenjamini bezwa ukuthi abantwana bakwa-Israyeli babenyukele eMispa. Bathi abantwana bakwa-Israyeli: Sitsheleni ukuthi lobu bubi benziwa kanjani na?

[4] UmLevi, umyeni wowesifazane owayebulewe, waphendula wathi: Ngafika eGibeya lakwaBenjamini, mina nesancinza sami, ukulala khona.

[5] Abantu baseGibeya bangivukela, bahaqa indlu nxazonke zami ebusuku; bacabanga ukungibulala mina, nesancinza sami basona; sesifile.

[6]Ngase ngithatha isancinza sami, ngasihlahlela, ngasithuma ezweni lonke lefa lakwa-Israyeli, ngokuba babesebenzile ukona nobuwula kwa-Israyeli.

[7]Bhekani nina bantwana bakwa-Israyeli, nina nonke; qondisani, niluleke lapha.

[8]Bonke abantu bavuka njengomuntu munye, bathi: Asiyikuya, sisho namunye etendeni lakhe; asiyikuphambukela sisho namunye endlini yakhe.

[9]Kepha nakhu esiyakukwenza eGibeya: Siyakulihlasela ngenkatho,

[10]de cada cem homens dez, de cada mil homens cem, de cada dez mil homens mil, para conseguirem provisões para o exército poder chegar a Gibeá de Benjamim e dar a eles o que merecem por esse ato vergonhoso cometido em Israel”.

[10]sithathe abantu abayishumi ekhulwini kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli, nabayikhulu enkulungwaneni, nabayinkulungwane ezinkulungwaneni eziyishumi, ukuba balande ukudla kwabantu, nalapho sebefike eGibeya lakwaBenjamini benze ngokobuwula ababenzile kwa-Israyeli.

[11]E todos os israelitas se ajuntaram e se uniram como um só homem contra a cidade.

[11]Abantu bonke bakwa-Israyeli babehlanganyele umuzi, bebumbene kungathi ngumuntu munye.

[12]As tribos de Israel enviaram homens a toda a tribo de Benjamim, dizendo: “O que vocês dizem dessa maldade terrível que foi cometida no meio de vocês?

[12]Izizwe zakwa-Israyeli zathuma abantu emindenini yonke yakwaBenjamini, zathi: Ububi buni lobu obenziwe phakathi kwenu na?

[13]Agora, entreguem esses canalhas de Gibeá, para que os matemos e eliminemos esse mal de Israel”. Mas os benjamitas não quiseram ouvir seus irmãos israelitas.

[13]Ngalokho khiphani labo bantu, abantu ababi, abaseGibeya, ukuba sibabulale, sixoshe ububi kwa-Israyeli. Kepha uBenjamini kavumanga ukulalela izwi labafowabo, abantwana bakwa-Israyeli.

[14]Vindos de suas cidades, reuniram-se em Gibeá para lutar contra os israelitas.

[14]Abantwana bakwaBenjamini babuthana eGibeya, bevela emizini, ukuba baphume balwe nabantwana bakwa-Israyeli.

[15]Naquele dia, os benjamitas mobilizaram vinte e seis mil homens armados de espada que vieram das suas cidades, além dos setecentos melhores soldados que viviam em Gibeá.

[15]Abantwana bakwaBenjamini abavela emizini babalwa ngalolo suku baba ngamadoda ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesithupha ahlome inkemba ngaphandle kwabakhileyo eGibeya ababalwa baba ngamakhulu ayisikhombisa, amadoda akhethiweyo.

[16]Dentre todos esses soldados havia setecentos canhotos, muito hábeis, e cada um deles podia atirar com a funda uma pedra num cabelo sem errar.

[16]Phakathi kwabo bonke labo bantu kwakukhona amadoda angamakhulu ayisikhombisa akhethiweyo angamanxele;

[17]Israel, sem os de Benjamim, convocou quatrocentos mil homens armados de espada, todos eles homens de guerra.

[18]Os israelitas subiram a Betel e consultaram a Deus. “Quem de nós irá lutar primeiro contra os benjamitas?”, perguntaram. O Senhor respondeu: “Judá irá primeiro”.

[19]Na manhã seguinte, os israelitas se levantaram e armaram acampamento perto de Gibeá.

[20]Os homens de Israel saíram para lutar contra os benjamitas e tomaram posição de combate contra eles em Gibeá.

[21]Os benjamitas saíram de Gibeá e, naquele dia, mataram vinte e dois mil israelitas no campo de batalha.

[22]Mas os homens de Israel procuraram animar-se uns aos outros e novamente ocuparam as mesmas posições do primeiro dia.

[23]Os israelitas subiram, choraram perante o Senhor até a tarde e consultaram o Senhor: “Devemos atacar de novo os nossos irmãos benjamitas?” O Senhor respondeu: “Vocês devem atacar”.

onke ayekwazi ukuphonsa amatshe ngisho nasonweleni, engageji.

[17]Abantu bakwa-Israyeli ngaphandle kukaBenjamini babalwa baba yizinkulungwane ezingamakhulu amane, amadoda ahlome inkemba; bonke labo babe ngamadoda empi.

[18] Abantwana bakwa-Israyeli bavuka, bakhuphukela eBethele, babuza kuNkulunkulu, bathi: Ngubani oyakusikhuphukelela kuqala ukulwa nabantwana bakwaBenjamini na? UJehova wathi: NguJuda kuqala.

[19]Abantwana bakwa-Israyeli bavuka ekuseni, bamisa malungana neGibeya.

[20]Abantu bakwa-Israyeli baphuma ukuba balwe noBenjamini; abantu bakwa-Israyeli bazihlelela ukulwa nabo eGibeya.

[21]Abantwana bakwaBenjamini baphuma eGibeya, babulala kwabakwa-Israyeli ngalolo suku amadoda ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili.

[22]Abantu, amadoda akwa-Israyeli, baziqinisa, babuye bahlela impi endaweni abazihlela kuyo ngosuku lokuqala.

[23] Abantwana bakwa-Israyeli bakhuphuka, bakhala phambi kukaNkulunkulu kwaze kwahlwa; babuza kuJehova, bathi: Siyakuphinda sisondele ukulwa nabantwana bakwaBenjamini umfowethu na? UJehova wathi: Yenyukelani kuye.

[24]Então os israelitas avançaram contra os benjamitas no segundo dia.

[25]Dessa vez, quando os benjamitas saíram de Gibeá para enfrentá-los, derrubaram outros dezoito mil israelitas, todos eles armados de espada.

[26]Então todos os israelitas subiram a Betel, e ali se assentaram, chorando perante o Senhor. Naquele dia, jejuaram até a tarde e apresentaram holocaustos e ofertas de comunhão ao Senhor.

[27]E os israelitas consultaram ao Senhor. (Naqueles dias, a arca da aliança estava ali,

[28]e Fineias, filho de Eleazar, filho de Arão, ministrava perante ela.) Perguntaram: “Sairemos de novo ou não, para lutar contra os nossos irmãos benjamitas?” O Senhor respondeu: “Vão, pois amanhã eu os entregarei nas suas mãos”.

[29]Então os israelitas armaram uma emboscada em torno de Gibeá.

[30]Avançaram contra os benjamitas no terceiro dia e tomaram posição contra Gibeá, como tinham feito antes.

[31]Os benjamitas saíram para enfrentá-los e foram atraídos para longe da cidade.

[24]Abantwana bakwa-Israyeli basondela kubantwana bakwaBenjamini ngosuku lwesibili.

[25]UBenjamini waphuma eGibeya ukuhlangabezana nabo ngosuku lwesibili, wabuye wabulala kubantwana bakwa-Israyeli amadoda ayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili; bonke labo babehlome inkemba.

[26] Base bekhuphuka bonke abantwana bakwa-Israyeli, abantu bonke, bafika eBethele, bakhala, bahlala khona phambi kukaJehova, bazila ukudla ngalolo suku kwaze kwahlwa; banikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula phambi kukaJehova.

[27]Abantwana bakwa-Israyeli babuza kuJehova ngokuba umphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu wawulapho ngalezo zinsuku;

[28] uFinehasi indodana ka-Eleyazare ka-Aroni wema phambi kwawo ngalezo zinsuku bathi: Siyakuphinda siphume ukuba silwe nabantwana bakwaBenjamini umfowethu, nokuba siyeke na? UJehova wathi: Khuphukani, ngokuba kusasa ngiyakubanikela esandleni sakho.

[29] U-Israyeli wabeka abaqamekeli kulo iGibeya nxazonke.

[30]Abantwana bakwa-Israyeli bakhuphuka ukulwa nabantwana bakwaBenjamini ngosuku lwesithathu, bazihlelela ukulwa neGibeya njengakwezinye izikhathi.

[31]Abantwana bakwaBenjamini baphuma ukulwa nabantu, badonswa, baphuma

Começaram a ferir alguns dos israelitas como tinham feito antes, e uns trinta homens foram mortos em campo aberto e nas estradas, uma que vai para Betel e a outra que vai para Gibeá.

emzini; baqala ukubulala nokuceka abantu njengakwezinye izikhathi emendweni, omunye okhuphukela eBethele, omunye oya eGibeya ensimini, kungathi amadoda angamashumi amathathu kwa-Israyeli.

32Enquanto os benjamitas diziam: “Nós os derrotamos como antes”, os israelitas diziam: “Vamos retirar-nos e atraí-los para longe da cidade, para as estradas”.

32Abantwana bakwaBenjamini bathi: Babulewe phambi kwethu njengakuqala. Kepha abantwana bakwa-Israyeli bathi: Masibaleke, sibadonse, baphume emzini, baye emendweni.

33Todos os homens de Israel saíram dos seus lugares e ocuparam posições em Baal-Tamar, e a emboscada israelita atacou da sua posição a oeste de Gibeá.

33Bonke abantu bakwa-Israyeli basuka endaweni yabo, bazihlela eBali Tamari; abaqamekeli bakwa-Israyeli bavumbuluka endaweni yabo eMare Geba.

34Então dez mil dos melhores soldados de Israel iniciaram um ataque frontal contra Gibeá. O combate foi duro, e os benjamitas não perceberam que a desgraça estava próxima deles.

34Kweza malungana neGibeya abantu abayizinkulungwane eziyishumi abakhethiweyo kuye wonke u-Israyeli; ukulwa kwakunzima, kepha babengazi ukuthi ingozi isifikile kubo.

35O Senhor derrotou Benjamim perante Israel, e naquele dia os israelitas feriram vinte e cinco mil e cem benjamitas, todos armados de espada.

35UJehova wanqoba uBenjamini phambi kuka-Israyeli; abantwana bakwa-Israyeli babulala ngalolo suku kwaBenjamini abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu nekhulu; bonke labo babehlome inkemba.

36Então os benjamitas viram que estavam derrotados. Os israelitas bateram em retirada diante de Benjamim, pois confiavam na emboscada que tinham preparado perto de Gibeá.

36 Base bebona abantwana bakwaBenjamini ukuthi banqotshiwe; abantu bakwa-Israyeli bamdela uBenjamini lokhu bebebethemba abaqamekeli ababebabekile ngaseGibeya.

37Os da emboscada avançaram repentinamente para dentro de Gibeá, espalharam-se e mataram todos os habitantes da cidade à espada.

37Abaqamekeli bashesha badumela eGibeya; abaqamekeli basuka bachitha umuzi wonke ngosiko lwenkemba.

[38]Os israelitas tinham combinado com os da emboscada que estes fariam subir da cidade uma grande nuvem de fumaça,

[38]Isiboniso esinqunyiweyo phakathi kwabantu bakwa-Israyeli nabaqamekeli sasiyilesi sokuba bathunqise umusi omkhulu wenyuke emzini.

[39]e então os israelitas voltariam a combater. Os benjamitas tinham começado a ferir os israelitas, matando cerca de trinta deles, e disseram: “Nós os derrotamos como na primeira batalha”.

[39]Abantu bakwa-Israyeli babuyela emuva empini; uBenjamini wayeseqalile ukubulala nokuceka kubantu bakwa-Israyeli kungathi abantu abangamashumi amathathu, ngokuba bathi: Impela babulewe phambi kwethu njengasekulweni kwakuqala.

[40]Mas, quando a coluna de fumaça começou a se levantar da cidade, os benjamitas se viraram e viram a fumaça subindo ao céu.

[40]Kepha lapho sekuqale ukuthunqa insika yomusi emzini, abakwaBenjamini babheka emuva, nanko umuzi wonke uthunqela ngasezulwini.

[41]Então os israelitas se voltaram contra eles, e os homens de Benjamim ficaram apavorados, pois perceberam que a sua desgraça havia chegado.

[41]Base bephenduka abantu bakwa-Israyeli, nabantu bakwaBenjamini bashaywa luvalo, ngokuba babona ukuthi behlelwe ngububi.

[42]Assim, fugiram da presença dos israelitas tomando o caminho do deserto, mas não conseguiram escapar do combate. E os homens de Israel que saíram das cidades os mataram ali.

[42]Ngalokho bafulathela phambi kwabantu bakwa-Israyeli, bahamba ngendlela yasehlane, kepha ukulwa kwabalandela; abaphuma emizini bababulala phakathi kwayo.

[43]Cercaram os benjamitas e os perseguiram, e facilmente os alcançaram nas proximidades de Gibeá, no lado leste.

[43]Babahaqa abakwaBenjamini nxazonke, babaxosha, babanyathela phansi endaweni yabo yokuphumula, baze bafika malungana neGibeya ngasempumalanga.

[44]Dezoito mil benjamitas morreram, todos eles soldados valentes.

[44]Kwawa abantu bakwaBenjamini abayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili; bonke labo babe ngamaqhawe.

[45]Quando se viraram e fugiram rumo ao deserto, para a rocha de Rimom, os israelitas abateram cinco mil homens ao

[45]Baphenduka babalekela ehlane edwaleni lakwaRimoni; bakhothoza kubo emendweni abantu abayizinkulungwane

longo das estradas. Até Gidom eles pressionaram os benjamitas e mataram mais de dois mil homens.

eziyisihlanu, babaxosha kwaze kwabaseGideyomu, babulala kubo abantu abayizinkulungwane ezimbili.

[46]Naquele dia, vinte e cinco mil benjamitas que portavam espada morreram, todos eles soldados valentes.

[46]Bonke abawa ngalolo suku kwaBenjamini babe ngabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu abahlome inkemba; bonke labo babe ngamaqhawe.

[47]Seiscentos homens, porém, viraram as costas e fugiram para o deserto, para a rocha de Rimom, onde ficaram durante quatro meses.

[47]Kepha abantu abangamakhulu ayisithupha baphenduka, babalekela ehlane edwaleni lakwaRimoni, bahlala edwaleni lakwaRimoni izinyanga ezine.

[48]Os israelitas voltaram a Benjamim e passaram todas as cidades à espada, matando inclusive os animais e tudo o que encontraram nelas. E incendiaram todas as cidades por onde passaram.

[48]Abantu bakwa-Israyeli babuyela kubantwana bakwaBenjamini, bababulala ngosiko lwenkemba ababesaphila emzini, nezinkomo, yebo, konke okwafunyaniswayo; futhi yonke imizi abayifumanisayo bayithungela ngomlilo.

Juízes 21

Mulheres para os Benjamitas

[1]Os homens de Israel tinham feito este juramento em Mispá: “Nenhum de nós dará sua filha em casamento a um benjamita”.

[2]O povo foi a Betel, onde esteve sentado perante Deus até a tarde, chorando alto e amargamente.

[3]“Ó Senhor Deus de Israel”, lamentaram, “por que aconteceu isso em Israel? Por que teria que faltar hoje uma tribo em Israel?”

[4]Na manhã do dia seguinte, o povo se levantou cedo, construiu um altar e

AbAhluleli 21

Isizwe sakwaBenjamini sibuye simiswe

[1]Abantu bakwa-Israyeli babefungile eMispa, bethi: Akuyikubakho muntu oyakunika owakwaBenjamini indodakazi yakhe ibe ngumkakhe.

[2] Abantu base befika eBethele, bahlala khona kwaze kwahlwa phambi kukaNkulunkulu, baphakamisa izwi labo, bakhala kakhulu.

[3]Bathi: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, lokhu kwenzelweni kwa-Israyeli ukuba kusilale namuhla esinye isizwe sakwa-Israyeli na?

[4]Kwathi ngakusasa abantu bavuka ekuseni, bakha khona i-altare, banikela

apresentou holocaustos e ofertas de comunhão.

[5]Os israelitas perguntaram: “Quem dentre todas as tribos de Israel deixou de vir à assembleia perante o Senhor?” Pois tinham feito um juramento solene de que qualquer que deixasse de se reunir perante o Senhor em Mispá seria morto.

[6]Os israelitas prantearam pelos seus irmãos benjamitas. “Hoje uma tribo foi eliminada de Israel”, diziam.

[7]“Como poderemos conseguir mulheres para os sobreviventes, visto que juramos pelo Senhor não lhes dar em casamento nenhuma de nossas filhas?”

[8]Então perguntaram: “Qual das tribos de Israel deixou de reunir-se perante o Senhor em Mispá?” Descobriu-se então que ninguém de Jabes-Gileade tinha vindo ao acampamento para a assembleia.

[9]Quando contaram o povo, verificaram que ninguém do povo de Jabes-Gileade estava ali.

[10]Então a comunidade enviou doze mil homens de guerra com instruções para irem a Jabes-Gileade e matarem à espada todos os que viviam lá, inclusive mulheres e crianças.

[11]“É isto o que vocês deverão fazer”, disseram, “matem todos os homens e todas as mulheres que não forem virgens.”

ngeminikelo yokushiswa neminikelo yokuthula.

[5]Abantwana bakwa-Israyeli bathi: Yisiphi phakathi kwazo zonke izizwe zakwa-Israyeli esingakhuphukelanga ebandleni kuJehova na? Ngokuba bebefungile isifungo esikhulu ngaye ongakhuphukeli kuJehova eMispa ukuthi wobulawa nokubulawa.

[6]Abantwana bakwa-Israyeli bamhawukela uBenjamini umfowabo, bathi: Kunqunyiwe namuhla esinye isizwe kwa-Israyeli.

[7]Siyakwenze njani ukuba abaseleyo babe nabafazi, lokhu sifungile uJehova ukuthi asiyikubanika amadodakazi ethu abe ngomkabo, na?

[8] Bathi: Yisiphi kuzo izizwe zakwa-Israyeli esingakhuphukelanga kuJehova eMispa na? Bheka, akufikanga muntu ekamu ovela eJabeshi Gileyadi ukuya ebandleni.

[9]Sebebalwa abantu; bheka, kwakungekho muntu kwabakhile eJabeshi Gileyadi lapho.

[10]Inhlangano yathuma khona abantu abayizinkulungwane eziyishumi nambili abangamaqhawe amakhulu, yabayala yathi: Hambani nibabulale abakhe eJabeshi Gileyadi ngosiko lwenkemba kanye nabesifazane nezingane.

[11]Yilokhu eniyakukwenza: Niyakuchitha nokuchitha bonke abesilisa nabo bonke abesifazane abake balala nendoda.

[12]No meio de todo o povo que vivia em Jabes-Gileade encontraram quatrocentas moças virgens e as levaram para o acampamento de Siló, em Canaã.

[12]Bafumana phakathi kwabakhileyo eJabeshi Gileyadi izintombi ezintsha ezingamakhulu amane ezingazanga ndoda ngokulala nayo; baziyisa ekamu eShilo elisezweni laseKhanani.

[13]Depois a comunidade toda enviou uma oferta de comunhão aos benjamitas que estavam na rocha de Rimom.

[13] Yonke inhlangano yathuma yakhuluma kubantwana bakwaBenjamini ababesedwaleni lakwaRimoni, yamemezela ukuthula kubo.

[14]Os benjamitas voltaram naquela ocasião e receberam as mulheres de Jabes-Gileade que tinham sido poupadas. Mas não havia mulheres suficientes para todos eles.

[14]UBenjamini wabuya ngaleso sikhathi; babanika abesifazane ababebasindisile kwabesifazane baseJabeshi Gileyadi; kepha ababanelanga.

[15]O povo pranteou Benjamim, pois o Senhor tinha aberto uma lacuna nas tribos de Israel.

[15]Abantu bamhawukela uBenjamini, ngokuba uJehova wayenze ukwahlukana ezizweni zakwa-Israyeli.

[16]E os líderes da comunidade disseram: “Mortas as mulheres de Benjamim, como conseguiremos mulheres para os homens que restaram?

[16] Amalunga enhlangano ayesethi: Siyakwenze njani ukuba abaseleyo babe nabafazi, lokhu abesifazane bechithiwe kwaBenjamini, na?

[17]Os benjamitas sobreviventes precisam ter herdeiros, para que uma tribo de Israel não seja destruída.

[17]Athi: Nga liba khona ifa labaphunyukileyo bakwaBenjamini, ukuze kungesulwa sizwe kwa-Israyeli.

[18]Não podemos dar-lhes nossas filhas em casamento, pois nós, israelitas, fizemos este juramento: Maldito seja todo aquele que der mulher a um benjamita.

[18]Kepha asinakubanika nokho amadodakazi ethu abe ngomkabo, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli babefungile bethi: Makaqalekiswe onika owakwaBenjamini umfazi.

[19]Há, porém, a festa anual do Senhor em Siló, ao norte de Betel, a leste da estrada que vai de Betel a Siquém, e ao sul de Lebona”.

[19]Athi: Bheka, kukhona umkhosi kaJehova iminyaka ngeminyaka eShilo elingasenyakatho kwaseBethele ngasempumalanga komendo okhuphuka eBethele uya eShekemi nangaseningizimu kwaseLebona.

[20]Então mandaram para lá os benjamitas, dizendo: “Vão, escondam-se nas vinhas

[21]e fiquem observando. Quando as moças de Siló forem para as danças, saiam correndo das vinhas e cada um de vocês apodere-se de uma das moças de Siló e vá para a terra de Benjamim.

[22]Quando os pais ou irmãos delas se queixarem a nós, diremos: Tenham misericórdia deles, pois não conseguimos mulheres para eles durante a guerra, e vocês são inocentes, visto que não lhes deram suas filhas”.

[23]Foi o que os benjamitas fizeram. Quando as moças estavam dançando, cada homem tomou uma para fazer dela sua mulher. Depois voltaram para a sua herança, reconstruíram as cidades e se estabeleceram nelas.

[24]Na mesma ocasião os israelitas saíram daquele local e voltaram para as suas tribos e para os seus clãs, cada um para a sua própria herança.

[25]Naquela época, não havia rei em Israel; cada um fazia o que lhe parecia certo.

[20]Abayala abantwana bakwaBenjamini, athi: Hambani niqamekele ezivinini,

[21]nibone: bhekani, uma amadodakazi aseShilo ephuma ukusina lapho kusinwa khona, anophuma ezivinini, nizibambele, kube yilowo nalowo umkakhe kuwo amadodakazi aseShilo, niye ezweni lakwaBenjamini.

[22]Kuyakuthi lapho oyise noma abanewabo befika ukuphikisana nathi, sithi kubo: Sinikeni wona ngomusa, ngokuba asithathanga, kwaba yilowo nalowo umkakhe empini, futhi anibanikanga wona; khona ngabe nitholile icala.

[23]Abantwana bakwaBenjamini benze njalo, bazithathela abafazi njengenani labo kwabasinayo, ababaqhwagayo; bahamba, babuyela efeni labo, bakha imizi, bahlala kuyo.

[24]Abantwana bakwa-Israyeli bamuka khona ngaleso sikhathi, yilowo nalowo waya esizweni sakhe nasemndenini wakhe, baphuma lapho, yilowo nalowo waya efeni lakhe.

[25] Ngalezo zinsuku kwakungekho nkosi kwa-Israyeli; yilowo nalowo wenza okulungile emehlweni akhe.

O livro de Rute

Rute 1

Noemi e Rute

[1] Nos dias em que julgavam os juízes, houve fome na terra; e um homem de Belém de Judá saiu a habitar na terra de Moabe, com sua mulher e seus dois filhos.

[2] Este homem se chamava Elimeleque, e sua mulher, Noemi; os filhos se chamavam Malom e Quiliom, efrateus, de Belém de Judá; vieram à terra de Moabe e ficaram ali.

[3] Morreu Elimeleque, marido de Noemi; e ficou ela com seus dois filhos,

[4] os quais casaram com mulheres moabitas; era o nome de uma Orfa, e o nome da outra, Rute; e ficaram ali quase dez anos.

[5] Morreram também ambos, Malom e Quiliom, ficando, assim, a mulher desamparada de seus dois filhos e de seu marido.

[6] Então, se dispôs ela com as suas noras e voltou da terra de Moabe, porquanto, nesta, ouviu que o SENHOR se lembrara do seu povo, dando-lhe pão.

[7] Saiu, pois, ela com suas duas noras do lugar onde estivera; e, indo elas caminhando, de volta para a terra de Judá,

URuthe

URuthe 1

U-Elimeleki nomkakhe. URuthe

[1]Kwathi emihleni abahlulela ngayo abahluleli kwaba khona indlala ezweni. Umuntu othile waseBetlehema Juda waya ukuyohlala ezweni lakwaMowabi, yena nomkakhe, namadodana akhe amabili.

[2] Igama lalowo muntu lalingu-Elimeleki, igama lomkakhe lalinguNawomi, amagama amadodana akhe amabili ayengoMahaloni noKiliyoni; babe ngama-Efratha aseBetlehema Juda. Bafika ezweni lakwaMowabi, bahlala khona.

[3]U-Elimeleki umyeni kaNawomi wafa; kepha yena wasala namadodana akhe amabili.

[4]Azithathela abafazi kwabesifazane bakwaMowabi; igama lomunye lalingu-Orpa, igama lomunye lalinguRuthe; bahlala khona kwangathi iminyaka eyishumi.

[5]OMahaloni noKiliyoni bafa bobabili; owesifazane washiywa-ke ngabantwana bakhe ababili nangumyeni wakhe.

[6]Wayesesuka nawomalokazana bakhe ukuba abuye ezweni lakwaMowabi, ngokuba wayezwile ezweni lakwaMowabi ukuthi uJehova uhambele abantu bakhe ukuba abaphe ukudla.

[7]Waphuma endaweni lapho wayekhona, omalokazana bakhe benaye; bahamba ngendlela yokubuyela ezweni lakwaJuda.

[8] disse-lhes Noemi: Ide, voltai cada uma à casa de sua mãe; e o SENHOR use convosco de benevolência, como vós usastes com os que morreram e comigo.

[8]UNawomi wathi komalokazana bakhe ababili: Hambani nibuyele, kube yilowo nalowo endlini kanina; uJehova makanenzele umusa, njengalokho nanenza kwabafileyo nakimi.

[9] O SENHOR vos dê que sejais felizes, cada uma em casa de seu marido. E beijou-as. Elas, porém, choraram em alta voz

[9]UJehova makaninike ukuba nifumane ukuphumula, kube yilowo nalowo endlini yomyeni wakhe. Wayesebanga, badazuluka, bakhala.

[10] e lhe disseram: Não! Iremos contigo ao teu povo.

[10]Bathi kuye: Hhayi! Kepha sobuyela nawe kubantu bakini!

[11] Porém Noemi disse: Voltai, minhas filhas! Por que iríeis comigo? Tenho eu ainda no ventre filhos, para que vos sejam por maridos?

[11] Wayesethi uNawomi: Buyani, madodakazi ami; nohambelani nami na? Ngisenamadodana ezibilinini zami ukuba abe ngabayeni benu na?

[12] Tornai, filhas minhas! Ide-vos embora, porque sou velha demais para ter marido. Ainda quando eu dissesse: tenho esperança ou ainda que esta noite tivesse marido e houvesse filhos,

[12]Buyani, madodakazi ami, nihambe, ngokuba sengimdala ukuba ngibe nomyeni. Noma ngangithi nginethemba, noma ngingaba nendoda kulobu busuku, ngizale amadodana,

[13] esperá-los-íeis até que viessem a ser grandes? Abster-vos-íeis de tomardes marido? Não, filhas minhas! Porque, por vossa causa, a mim me amarga o ter o SENHOR descarregado contra mim a sua mão.

[13] beningawahlalela aze abe ngakhulileyo na? Beniyakuzivimbela ningabi namadoda na? Hhayi, madodakazi ami, kumunyu kimi ngenxa yenu, ngokuba isandla sikaJehova siphumele kimi.

[14] Então, de novo, choraram em voz alta; Orfa, com um beijo, se despediu de sua sogra, porém Rute se apegou a ela.

[14]Badazuluka, baphinda bakhala; u-Orpa wamanga uninazala, kepha uRuthe wanamathela kuye.

[15] Disse Noemi: Eis que tua cunhada voltou ao seu povo e aos seus deuses; também tu, volta após a tua cunhada.

[15]Wathi: Bheka, umnakwenu usebuyele kwabakubo nakunkulunkulu wakhe; buya nawe, umlandele umnakwenu.

[16] Disse, porém, Rute: Não me instes para que te deixe e me obrigue a não seguir-te; porque, aonde quer que fores, irei eu e,

[16]Kepha uRuthe wathi: Ungangincengi ukuba ngikushiye, ngibuye, ngingakulandeli, ngokuba lapho uya

onde quer que pousares, ali pousarei eu; o teu povo é o meu povo, o teu Deus é o meu Deus.

khona, ngiyakuya khona nami, nalapho uhlala khona, ngiyakuhlala khona nami; abantu bakho bayakuba ngabantu bami, uNkulunkulu wakho abe nguNkulunkulu wami.

[17] Onde quer que morreres, morrerei eu e aí serei sepultada; faça-me o SENHOR o que bem lhe aprouver, se outra coisa que não seja a morte me separar de ti.

[17]Lapho ufela khona, ngiyakufela khona nami, ngimbelwe khona; uJehova akenze njalo kimi, enezele futhi, ngokuba ngukufa kuphela okuyakusahlukanisa.

[18] Vendo, pois, Noemi que de todo estava resolvida a acompanhá-la, deixou de insistir com ela.

[18]Esebonile ukuthi uzimisele ukuhamba naye, wayeka ukukhuluma kuye.

[19] Então, ambas se foram, até que chegaram a Belém; sucedeu que, ao chegarem ali, toda a cidade se comoveu por causa delas, e as mulheres diziam: Não é esta Noemi?

[19]Base behamba bobabili baze bafika eBetlehema. Kwathi sebefikile eBetlehema, wonke umuzi wanyakaziswa, bathi: Lo unguNawomi na?

[20] Porém ela lhes dizia: Não me chameis Noemi; chamai-me Mara, porque grande amargura me tem dado o Todo-Poderoso.

[20]Wathi kubo: Ningangibizi ngokuthi uNawomi; ngibizeni ngokuthi uMara, ngokuba uSomandla ungiphathe ngomunyu omkhulu.

[21] Ditosa eu parti, porém o SENHOR me fez voltar pobre; por que, pois, me chamareis Noemi, visto que o SENHOR se manifestou contra mim e o Todo-Poderoso me tem afligido?

[21]Ngahamba ngigcwele, uJehova ungibuyise ngize; ningibizelani ngokuthi uNawomi, lokhu uJehova efakazile ngami, uSomandla engenzele okubi, na?

[22] Assim, voltou Noemi da terra de Moabe, com Rute, sua nora, a moabita; e chegaram a Belém no princípio da sega da cevada.

[22]Wabuya-ke uNawomi kanye noRuthe wakwaMowabi umalokazana wakhe owabuya ezweni lakwaMowabi, bafika eBetlehema ekuqaleni kokuvunwa kwebhali.

Rute 2

Rute vai rebuscar espigas

URuthe 2

URuthe ukhothoza ensimini kaBowazi

[1] Tinha Noemi um parente de seu marido, senhor de muitos bens, da família de Elimeleque, o qual se chamava Boaz.

[2] Rute, a moabita, disse a Noemi: Deixa-me ir ao campo, e apanharei espigas atrás daquele que mo favorecer. Ela lhe disse: Vai, minha filha!

[3] Ela se foi, chegou ao campo e apanhava após os segadores; por casualidade entrou na parte que pertencia a Boaz, o qual era da família de Elimeleque.

[4] Eis que Boaz veio de Belém e disse aos segadores: O SENHOR seja convosco! Responderam-lhe eles: O SENHOR te abençoe!

[5] Depois, perguntou Boaz ao servo encarregado dos segadores: De quem é esta moça?

[6] Respondeu-lhe o servo: Esta é a moça moabita que veio com Noemi da terra de Moabe.

[7] Disse-me ela: Deixa-me rebuscar espigas e ajuntá-las entre as gavelas após os segadores. Assim, ela veio; desde pela manhã até agora está aqui, menos um pouco que esteve na choça.

Boaz fala a Rute benignamente

[8] Então, disse Boaz a Rute: Ouve, filha minha, não vás colher em outro campo, nem tampouco passes daqui; porém aqui ficarás com as minhas servas.

[1] UNawomi wayenesihlobo somyeni wakhe, umuntu ocebileyo, owomndeni ka-Elimeleki, igama lakhe linguBowazi.

[2] URuthe wakwaMowabi wathi kuNawomi: Mangihambe, ngiye ensimini, ngikhothoze ezikhwetshini emva kwalowo engiyakufumana umusa emehlweni akhe. Wathi kuye: Hamba, ndodakazi yami.

[3]Wahamba, waya wakhothoza ensimini emva kwabavuni; kwase kwenzeka ukuba afike esiqeshini sensimu sikaBowazi womndeni ka-Elimeleki.

[4]Bheka, uBowazi wafika evela eBetlehema, wathi kwabavunayo: UJehova makabe nani. Bathi kuye: UJehova makakubusise.

[5]Wayesethi uBowazi encekwini yakhe eyayibekwe phezu kwabavuni: Ngekabani le ntombazana na?

[6]Inceku eyayibekwe phezu kwabavuni yaphendula yathi: Kuyintombazana yakwaMowabi ebuye noNawomi ezweni lakwaMowabi;

[7]ithe: Ake ngikhothoze, ngibuthe ezithungwini emva kwabavuni. Selokhu ifikile, iqhubekile kusukela ekuseni kuze kube manje, ihlale kancane endlini kuphela.

[8]UBowazi wayesethi kuRuthe: Angithi uyezwa, ndodakazi yami? Ungayi ukukhothoza kwenye insimu, futhi ungasuki lapha, kepha namathela kuwo amantombazana ami lapha.

[9] Estarás atenta ao campo que segarem e irás após elas. Não dei ordem aos servos, que te não toquem? Quando tiveres sede, vai às vasilhas e bebe do que os servos tiraram.

[9]Amehlo akho mawabe sensimini ayivunayo, uwalandele; angithi ngiyalile abafana ukuba bangakuthinti na? Nxa womile, yana ezitsheni, uphuze lokho abakukhileyo abafana.

[10] Então, ela, inclinando-se, rosto em terra, lhe disse: Como é que me favoreces e fazes caso de mim, sendo eu estrangeira?

[10]Wayesewa ngobuso bakhe, wakhothamela emhlabathini, wathi kuye: Ngifumaneleni umusa emehlweni akho ukuba unginake, lokhu ngingowezizwe, na?

[11] Respondeu Boaz e lhe disse: Bem me contaram tudo quanto fizeste a tua sogra, depois da morte de teu marido, e como deixaste a teu pai, e a tua mãe, e a terra onde nasceste e vieste para um povo que dantes não conhecias.

[11]UBowazi waphendula, wathi kuye: Kubikiwe kimi konke omenzele khona unyokozala selokhu afa umyeni wakho nokuthi ushiyile uyihlo nonyoko nezwe lokuzalwa kwakho, weza kubantu ongabazanga ngaphambili.

[12] O SENHOR retribua o teu feito, e seja cumprida a tua recompensa do SENHOR, Deus de Israel, sob cujas asas vieste buscar refúgio.

[12] UJehova makakuvuze ngomsebenzi wakho, uphiwe umvuzo opheleleyo nguJehova uNkulunkulu ka-Israyeli oze ukuba uphephele phansi kwamaphiko akhe.

[13] Disse ela: Tu me favoreces muito, senhor meu, pois me consolaste e falaste ao coração de tua serva, não sendo eu nem ainda como uma das tuas servas.

[13]Wathi: Mangifumane umusa emehlweni akho, nkosi, ngokuba ungiduduzile nangokuba ukhulume kahle kuyo incekukazi yakho, noma ngingenjengenye yezincekukazi zakho.

[14] À hora de comer, Boaz lhe disse: Achega-te para aqui, e come do pão, e molha no vinho o teu bocado. Ela se assentou ao lado dos segadores, e ele lhe deu grãos tostados de cereais; ela comeu e se fartou, e ainda lhe sobejou.

[14]Ngesikhathi sokudla uBowazi wathi kuye: Woza lapha, udle isinkwa, ugcobhoze ucezu lwakho kuviniga. Wahlala eceleni kwabavuni, wamnika utshwele, wadla wasutha, washiya phansi.

[15] Levantando-se ela para rebuscar, Boaz deu ordem aos seus servos, dizendo: Até

[15]Esesukile ekukhothozeni uBowazi wayala abafana bakhe, wathi:

entre as gavelas deixai-a colher e não a censureis.

[16] Tirai também dos molhos algumas espigas, e deixai-as, para que as apanhe, e não a repreendais.

[17] Esteve ela apanhando naquele campo até à tarde; debulhou o que apanhara, e foi quase um efa de cevada.

[18] Tomou-o e veio à cidade; e viu sua sogra o que havia apanhado; também o que lhe sobejara depois de fartar-se tirou e deu a sua sogra.

[19] Então, lhe disse a sogra: Onde colheste hoje? Onde trabalhaste? Bendito seja aquele que te acolheu favoravelmente! E Rute contou a sua sogra onde havia trabalhado e disse: O nome do senhor, em cujo campo trabalhei, é Boaz.

[20] Então, Noemi disse a sua nora: Bendito seja ele do SENHOR, que ainda não tem deixado a sua benevolência nem para com os vivos nem para com os mortos. Disse-lhe mais Noemi: Esse homem é nosso parente chegado e um dentre os nossos resgatadores.

[21] Continuou Rute, a moabita: Também ainda me disse: Com os meus servos ficarás, até que acabem toda a sega que tenho.

[22] Disse Noemi a sua nora, Rute: Bom será, filha minha, que saias com as servas dele, para que, noutro campo, não te molestem.

Makakhothoze nasezithungwini, ningamkhathazi.

[16]Anoke nimkhiphele nokuthile ezithungwini, nikushiye ukuba akukhothoze, ningamsoli.

[17]Wakhothoza-ke ensimini kwaze kwahlwa; wakubhula lokho abekukhothozile, kwakungathi i-efa lebhali.

[18]Wakuthatha, wangena emzini; uninazala wabona lokho abekukhothozile; wakhipha, wamnika lokho akushiyile esesuthile.

[19]Uninazala wathi kuye: Ukhothozephi namuhla na? Usebenzephi? Makabusiswe lowo okunakileyo. Wamtshela uninazala ukuthi ubesebenza kubani, wathi: Igama lomuntu engisebenzile kuye namuhla linguBowazi.

[20] UNawomi wathi kumalokazana wakhe: Makabusiswe nguJehova ongayekanga umusa wakhe kwabaphilileyo nakwabafileyo. UNawomi wathi kuye: Lowo muntu uyisihlobo sethu, ungowabahlengi bethu.

[21]URuthe wakwaMowabi wathi: Yebo, wathi kimi: Wonamathela kubafana bami, baze baqede konke ukuvuna kwami.

[22]UNawomi wayesethi kuRuthe umalokazana wakhe: Kuhle, ndodakazi yami, ukuba uphume namantombazana akhe, ungafikelwa kwenye insimu.

[23] Assim, passou ela à companhia das servas de Boaz, para colher, até que a sega da cevada e do trigo se acabou; e ficou com a sua sogra.

[23]Wayesenamathela-ke kuwo amantombazana kaBowazi ukukhothoza kwaze kwaba sekugcineni kokuvunwa kwebhali nokukakolweni; wahlala-ke noninazala.

Rute 3

Rute e Boaz na eira

[1] Disse-lhe Noemi, sua sogra: Minha filha, não hei de eu buscar-te um lar, para que sejas feliz?

[2] Ora, pois, não é Boaz, na companhia de cujas servas estiveste, um dos nossos parentes? Eis que esta noite alimpará a cevada na eira.

[3] Banha-te, e unge-te, e põe os teus melhores vestidos, e desce à eira; porém não te dês a conhecer ao homem, até que tenha acabado de comer e beber.

[4] Quando ele repousar, notarás o lugar em que se deita; então, chegarás, e lhe descobrirás os pés, e te deitarás; ele te dirá o que deves fazer.

[5] Respondeu-lhe Rute: Tudo quanto me disseres farei.

Boaz promete a Rute casar com ela

[6] Então, foi para a eira e fez conforme tudo quanto sua sogra lhe havia ordenado.

[7] Havendo, pois, Boaz comido e bebido e estando já de coração um tanto alegre, veio deitar-se ao pé de um monte de cereais; então, chegou ela de mansinho, e lhe descobriu os pés, e se deitou.

[8] Sucedeu que, pela meia-noite, assustando-se o homem, sentou-se; e eis que uma mulher estava deitada a seus pés.

URuthe 3

URuthe engasezinyaweni zikaBowazi

[1] UNawomi uninazala wathi kuye: Ndodakazi yami, angiyikukufunela ukuphumula ukuba kube kuhle kuwe na?

[2]Angithi uBowazi owawunamantombazana akhe uyisihlobo sethu na? Bheka, uyela ibhali kusihlwa esibuyeni.

[3]Ngakho-ke geza, ugcobe, ugqoke isambatho sakho, wehlele esibuyeni, kepha ungazazisi kulowo muntu, aze aqede ukudla nokuphuza.

[4]Kuyakuthi nxa eselala, uqaphele indawo ayakulala kuyo, ungene, wambule izinyawo zakhe, ulale; uyakukutshela lokhu oyakukwenza.

[5]Wathi kuye: Konke okushoyo ngiyakukwenza.

[6]Wehlela esibuyeni, wenza njengakho konke amyale ngakho uninazala.

[7]UBowazi wadla waphuza, inhliziyo yakhe yathokoza, waya ukulala ngasekugcineni kwenqwaba yamabele; wafika kahle, wambula izinyawo zakhe, walala.

[8]Kwathi phakathi kwamabili yethuka leyo ndoda, yaphenduka; bheka, kwakulele owesifazane ngasezinyaweni zayo.

[9] Disse ele: Quem és tu? Ela respondeu: Sou Rute, tua serva; estende a tua capa sobre a tua serva, porque tu és resgatador.

[10] Disse ele: Bendita sejas tu do SENHOR, minha filha; melhor fizeste a tua última benevolência que a primeira, pois não foste após jovens, quer pobres, quer ricos.

[11] Agora, pois, minha filha, não tenhas receio; tudo quanto disseste eu te farei, pois toda a cidade do meu povo sabe que és mulher virtuosa.

[12] Ora, é muito verdade que eu sou resgatador; mas ainda outro resgatador há mais chegado do que eu.

[13] Fica-te aqui esta noite, e será que, pela manhã, se ele te quiser resgatar, bem está, que te resgate; porém, se não lhe apraz resgatar-te, eu o farei, tão certo como vive o SENHOR; deita-te aqui até à manhã.

[14] Ficou-se, pois, deitada a seus pés até pela manhã e levantou-se antes que pudessem conhecer um ao outro; porque ele disse: Não se saiba que veio mulher à eira.

[15] Disse mais: Dá-me o manto que tens sobre ti e segura-o. Ela o segurou, ele o encheu com seis medidas de cevada e lho pôs às costas; então, entrou ela na cidade.

[16] Em chegando à casa de sua sogra, esta lhe disse: Como se te passaram as coisas, filha minha? Ela lhe contou tudo quanto aquele homem lhe fizera.

[9] Yathi: Ungubani? Wathi: NginguRuthe incekukazi yakho; yembesa incekukazi yakho umphetho wengubo yakho, ngokuba ungumhlengi.

[10]Yathi: Mawubusiswe nguJehova, ndodakazi yami; ubonakalisile umusa ekugcineni kakhulu kunasekuqaleni, ngokuba awulandelanga izinsizwa, noma zimpofu noma zicebile.

[11]Manje, ndodakazi yami, ungesabi; ngiyakukwenzela konke okushoyo, ngokuba wonke umuzi wabantu bakithi uyazi ukuthi ungowesifazane olungileyo.

[12]Yebo, kuqinisile ukuthi ngingumhlengi, kepha kukhona umhlengi omkhulu kunami.

[13]Hlala lobu busuku; kuyakuthi ekuseni, uma ekuhlenga, kulungile, makakuhlenge; kepha uma engathandi ukukuhlenga, mina ngiyakukuhlenga, kuphila kukaJehova; lala kuze kuse.

[14]Walala ngasezinyaweni zakhe kwaze kwasa, wavuka bengakazani. Ngokuba yathi: Makungaziwa ukuthi owesifazane wafika esibuyeni.

[15]Yayisithi: Letha ingubo ephezu kwakho, uyibambe. Wayibamba, yalinganisa kasithupha ibhali, yamthwesa lona, wangena emzini.

[16]Wafika kuninazala; wathi yena: Ungubani, ndodakazi yami? Wamtshela konke leyo ndoda ebimenzele khona.

[17] E disse ainda: Estas seis medidas de cevada, ele mas deu e me disse: Não voltes para a tua sogra sem nada.
[18] Então, lhe disse Noemi: Espera, minha filha, até que saibas em que darão as coisas, porque aquele homem não descansará, enquanto não se resolver este caso ainda hoje.

Rute 4

Boaz casa com Rute

[1] Boaz subiu à porta da cidade e assentou-se ali. Eis que o resgatador de que Boaz havia falado ia passando; então, lhe disse: Ó fulano, chega-te para aqui e assenta-te; ele se virou e se assentou.
[2] Então, Boaz tomou dez homens dos anciãos da cidade e disse: Assentai-vos aqui. E assentaram-se.
[3] Disse ao resgatador: Aquela parte da terra que foi de Elimeleque, nosso irmão, Noemi, que tornou da terra dos moabitas, a tem para venda.

[4] Resolvi, pois, informar-te disso e dizer-te: compra-a na presença destes que estão sentados aqui e na de meu povo; se queres resgatá-la, resgata-a; se não, declara-mo para que eu o saiba, pois outro não há senão tu que a resgate, e eu, depois de ti. Respondeu ele: Eu a resgatarei.

[5] Disse, porém, Boaz: No dia em que tomares a terra da mão de Noemi, também a tomarás da mão de Rute, a moabita, já viúva, para suscitar o nome do esposo falecido, sobre a herança dele.

[17]Wathi: Ingiphile lezi zilinganiso eziyisithupha zebhali, ngokuba yathi kimi: Ungayi kunyokozala ungaphethe lutho.

[18]Wathi: Hlala, ndodakazi yami, uze wazi ukuba le ndaba iyakuphethelaphi, ngokuba leyo ndoda ayiyikuphumula ingakaqedi indaba namuhla.

URuthe 4

UBowazi uyamthatha uRuthe abe ngumkakhe

[1]UBowazi wenyukela esangweni, wahlala phansi khona; bheka, umhlengi akhuluma ngaye uBowazi, wadlula; wathi kuye: We wena sibanibani, phambuka, uhlale lapha. Waphambuka, wahlala phansi.
[2]Wathatha amadoda ayishumi kuwo amalunga omuzi, wathi: Hlalani phansi lapha. Ahlala.

[3]Wayesethi kuye umhlengi: UNawomi obuyile ezweni lakwaMowabi uyathengisa ngesiqephu sezwe esasingesika-Elimeleki;

[4]bengithi ngiyakukwambulela kuwe, ngithi: Lithenge phambi kwabahleziyo lapha naphambi kwamalunga abantu bakithi; uma ulithenga, lihlenge; kepha uma ungalithengi, ngitshele ukuba ngazi, ngokuba akakho ongalihlenga ngaphandle kwakho, mina ngisemva kwakho. Wayesethi: Ngiyakulihlenga.

[5]Wathi uBowazi: Msukwana ulithenga izwe esandleni sikaNawomi, ulithenga nakuRuthe wakwaMowabi umkamufi ukuba ulivuse igama lofileyo efeni lakhe.

[6] Então, disse o resgatador: Para mim não a poderei resgatar, para que não prejudique a minha; redime tu o que me cumpria resgatar, porque eu não poderei fazê-lo.

[7] Este era, outrora, o costume em Israel, quanto a resgates e permutas: o que queria confirmar qualquer negócio tirava o calçado e o dava ao seu parceiro; assim se confirmava negócio em Israel.

[8] Disse, pois, o resgatador a Boaz: Compra-a tu. E tirou o calçado.

[9] Então, Boaz disse aos anciãos e a todo o povo: Sois, hoje, testemunhas de que comprei da mão de Noemi tudo o que pertencia a Elimeleque, a Quiliom e a Malom;

[10] e também tomo por mulher Rute, a moabita, que foi esposa de Malom, para suscitar o nome deste sobre a sua herança, para que este nome não seja exterminado dentre seus irmãos e da porta da sua cidade; disto sois, hoje, testemunhas.

[11] Todo o povo que estava na porta e os anciãos disseram: Somos testemunhas; o SENHOR faça a esta mulher, que entra na tua casa, como a Raquel e como a Lia, que ambas edificaram a casa de Israel; e tu, Boaz, há-te valorosamente em Efrata e faze-te nome afamado em Belém.

[12] Seja a tua casa como a casa de Perez, que Tamar teve de Judá, pela prole que o SENHOR te der desta jovem.

[6]Umhlengi wathi: Anginakuzihlengela lona, funa ngone ifa lami; zihlengele wena, ngokuba anginakukuhlenga.

[7]Lokhu kwakunje ngokuhlenga nokwenana endulo kwa-Israyeli ukuba kuqiniswe izindaba zonke: umuntu wakhumula isicathulo sakhe, wasinika umakhelwane wakhe; lokho kwakungubufakazi kwa-Israyeli.

[8]Umhlengi wayesethi kuBowazi: Zithengele. Wakhumula isicathulo sakhe.

[9]UBowazi wayesethi kumalunga nakubantu bonke: Ningofakazi namuhla ukuthi ngithengile konke okwakungokuka-Elimeleki, nakho konke okwakungokukaKiliyoni nokukaMahaloni esandleni sikaNawomi.

[10]NoRuthe wakwaMowabi umkaMahaloni ngimthengile abe ngumkami ukuvusa igama lofileyo efeni lakhe ukuba igama lofileyo linganqunywa phakathi kwabafowabo nasesangweni lendawo yakhe; nina ningofakazi namuhla.

[11] Bonke abantu ababesesangweni namalunga bathi: Singofakazi; uJehova makenze lowo wesifazane ongene endlini yakho abe njengoRaheli noLeya abakha bobabili indlu yakwa-Israyeli, ucebe e-Efratha, ube nodumo eBetlehema;

[12] indlu yakho mayibe njengendlu kaPheresi uTamari amzalela uJuda

ngenzalo uJehova ayakukunika yona ngale ntombazana.

Rute dá à luz Obede

[13] Assim, tomou Boaz a Rute, e ela passou a ser sua mulher; coabitou com ela, e o SENHOR lhe concedeu que concebesse, e teve um filho.

[13] UBowazi wayesemthatha uRuthe, waba ngumkakhe; wangena kuye; uJehova wamnika ukuba akhulelwe; wazala indodana.

[14] Então, as mulheres disseram a Noemi: Seja o SENHOR bendito, que não deixou, hoje, de te dar um neto que será teu resgatador, e seja afamado em Israel o nome deste.

[14]Abesifazane bathi kuNawomi: Makabusiswe uJehova ongakushiyanga namuhla ungenamhlengi; igama lakhe malidume kwa-Israyeli.

[15] Ele será restaurador da tua vida e consolador da tua velhice, pois tua nora, que te ama, o deu à luz, e ela te é melhor do que sete filhos.

[15] Uyakuba ngumbuyisi wokuphila kuwe, nomondli ebudaleni bakho, ngokuba umalokazana wakho okuthandayo, omuhle kuwe kunamadodana ayisikhombisa umzele.

[16] Noemi tomou o menino, e o pôs no regaço, e entrou a cuidar dele.

[16]UNawomi wamthatha umntwana, wamgona esifubeni sakhe, waba ngumzanyana wakhe.

[17] As vizinhas lhe deram nome, dizendo: A Noemi nasceu um filho. E lhe chamaram Obede. Este é o pai de Jessé, pai de Davi.

[17]Abesifazane abakhelene naye bametha igama, bathi: Kuzelwe indodana kuNawomi. Baqamba igama lakhe ngokuthi u-Obede; yena unguyise kaJese, uyise kaDavide.

URuthe ukhokho kaDavide

[18] São estas, pois, as gerações de Perez: Perez gerou a Esrom,

[18] Nazi izizukulwane zikaPheresi: uPheresi wazala uHesironi;

[19] Esrom gerou a Rão, Rão gerou a Aminadabe,

[19]uHesironi wazala uRamu; uRamu wazala u-Aminadaba;

[20] Aminadabe gerou a Naassom, Naassom gerou a Salmom,

[20]u-Aminadaba wazala uNaheshoni; uNaheshoni wazala uSalimoni;

[21] Salmom gerou a Boaz, Boaz gerou a Obede,

[21]uSalimoni wazala uBowazi; uBowazi wazala u-Obede;

[22] Obede gerou a Jessé, e Jessé gerou a Davi.

[22] u-Obede wazala uJese; uJese wazala uDavide.

O primeiro livro de Samuel	1 uSamuweli

1 Samuel 1

Elcana e suas mulheres

[1] Houve um homem de Ramataim-Zofim, da região montanhosa de Efraim, cujo nome era Elcana, filho de Jeroão, filho de Eliú, filho de Toú, filho de Zufe, efraimita.

[2] Tinha ele duas mulheres: uma se chamava Ana, e a outra, Penina; Penina tinha filhos; Ana, porém, não os tinha.

[3] Este homem subia da sua cidade de ano em ano a adorar e a sacrificar ao SENHOR dos Exércitos, em Siló. Estavam ali os dois filhos de Eli, Hofni e Finéias, como sacerdotes do SENHOR.

[4] No dia em que Elcana oferecia o seu sacrifício, dava ele porções deste a Penina, sua mulher, e a todos os seus filhos e filhas.

[5] A Ana, porém, dava porção dupla, porque ele a amava, ainda mesmo que o SENHOR a houvesse deixado estéril.

[6] (A sua rival a provocava excessivamente para a irritar, porquanto o SENHOR lhe havia cerrado a madre.)

[7] E assim o fazia ele de ano em ano; e, todas as vezes que Ana subia à Casa do SENHOR, a outra a irritava; pelo que chorava e não comia.

1 uSamuweli 1

Ukuzalwa kukaSamuweli

[1] Kwakukhona umuntu waseRamatayimi Sofimu lasezintabeni zakwa-Efrayimi ogama lakhe lalingu-Elkana indodana kaJerohamu ka-Elihu kaTholu kaSufi wakwa-Efrayimi;

[2]wayenabafazi ababili, igama lomunye lalinguHana, igama lomunye lalinguPhenina; uPhenina wayenabantwana, kepha uHana wayengenabantwana.

[3] Lowo muntu wenyuka emzini wakhe iminyaka ngeminyaka ukukhonza nokuhlabela uJehova Sebawoti eShilo. Kwakukhona lapho amadodana amabili ka-Eli, oHofini noFinehasi, bengabapristi bakaJehova.

[4] Kwathi ngosuku u-Elkana ahlaba ngalo, wanika uPhenina umkakhe nawo onke amadodana akhe namadodakazi akhe izabelo;

[5]kepha wanika uHana isabelo siphindwa kabili, ngokuba wayemthanda uHana, kepha uJehova wayesivalile isizalo sakhe.

[6]Isitha sakhe samncokoloza kakhulu ukuba amthukuthelise, ngokuba uJehova wayesivalile isizalo sakhe.

[7]Kwathi ukuba u-Elkana enze njalo iminyaka ngeminyaka, lapho enyukela endlini kaJehova, wamncokoloza kanjalo; ngalokho wakhala, akadlanga lutho.

[8] Então, Elcana, seu marido, lhe disse: Ana, por que choras? E por que não comes? E por que estás de coração triste? Não te sou eu melhor do que dez filhos?

A oração e o voto de Ana

[9] Após terem comido e bebido em Siló, estando Eli, o sacerdote, assentado numa cadeira, junto a um pilar do templo do SENHOR,

[10] levantou-se Ana, e, com amargura de alma, orou ao SENHOR, e chorou abundantemente.

[11] E fez um voto, dizendo: SENHOR dos Exércitos, se benignamente atentares para a aflição da tua serva, e de mim te lembrares, e da tua serva te não esqueceres, e lhe deres um filho varão, ao SENHOR o darei por todos os dias da sua vida, e sobre a sua cabeça não passará navalha.

[12] Demorando-se ela no orar perante o SENHOR, passou Eli a observar-lhe o movimento dos lábios,

[13] porquanto Ana só no coração falava; seus lábios se moviam, porém não se lhe ouvia voz nenhuma; por isso, Eli a teve por embriagada

[14] e lhe disse: Até quando estarás tu embriagada? Aparta de ti esse vinho!

[15] Porém Ana respondeu: Não, senhor meu! Eu sou mulher atribulada de espírito; não bebi nem vinho nem bebida forte; porém venho derramando a minha alma perante o SENHOR.

[8]Wayesethi u-Elkana umyeni wakhe kuye: Hana, ukhalelani na? Awudli ngani? Inhliziyo yakho idabukeleni na? Angidluli yini amadodana ayishumi kuwe na?

[9]UHana wasukuma, nxa sebedlile eShilo, bephuzile. U-Eli umpristi wayehlezi esihlalweni sakhe ngasensikeni yomnyango wethempeli likaJehova.

[10]Umphefumulo wakhe wawunomunyu, wakhuleka kuJehova, wakhala kakhulu.

[11] Wenza isithembiso, wathi: Jehova Sebawoti, ubheke nokubheka ukuhlupheka kwencekukazi yakho, ungikhumbule, ungakhohlwa incekukazi yakho, unike incekukazi yakho umntwana wesilisa, bese ngimnika uJehova zonke izinsuku zokuhamba kwakhe, kungathinti mpuco ekhanda lakhe.

[12]Kwathi esaqhubeka ukukhuleka phambi kukaJehova, u-Eli waqaphela umlomo wakhe.

[13]UHana wayekhuluma enhliziyweni yakhe, kwabikizela izindebe zakhe zomlomo kuphela, kepha izwi lakhe lalingezwakali; ngalokho u-Eli wacabanga ukuthi udakiwe.

[14]U-Eli wathi kuye: Uyakudakwa kuze kube nini na? Susa iwayini lakho kuwe.

[15] UHana waphendula wathi: Hhayi, nkosi, ngingowesifazane ohluphekileyo; angiphuzanga iwayini naphuzo olunamandla, kepha bengithulula umphefumulo wami phambi kukaJehova.

[16] Não tenhas, pois, a tua serva por filha de Belial; porque pelo excesso da minha ansiedade e da minha aflição é que tenho falado até agora.

[17] Então, lhe respondeu Eli: Vai-te em paz, e o Deus de Israel te conceda a petição que lhe fizeste.

[18] E disse ela: Ache a tua serva mercê diante de ti. Assim, a mulher se foi seu caminho e comeu, e o seu semblante já não era triste.

Nasce Samuel e é consagrado a Deus

[19] Levantaram-se de madrugada, e adoraram perante o SENHOR, e voltaram, e chegaram a sua casa, a Ramá. Elcana coabitou com Ana, sua mulher, e, lembrando-se dela o SENHOR,

[20] ela concebeu e, passado o devido tempo, teve um filho, a que chamou Samuel, pois dizia: Do SENHOR o pedi.

[21] Subiu Elcana, seu marido, com toda a sua casa, a oferecer ao SENHOR o sacrifício anual e a cumprir o seu voto.

[22] Ana, porém, não subiu e disse a seu marido: Quando for o menino desmamado, levá-lo-ei para ser apresentado perante o SENHOR e para lá ficar para sempre.

[23] Respondeu-lhe Elcana, seu marido: Faze o que melhor te agrade; fica até que o desmames; tão-somente confirme o SENHOR a sua palavra. Assim, ficou a

[16]Ungasho ukuthi incekukazi yakho ingowesifazane omubi, ngokuba kungobuningi bosizi lwami nangokuncokolozwa kwami ngikhulumile kuze kube manje.

[17]Wayesephendula u-Eli ethi: Hamba ngokuthula; uNkulunkulu wakwa-Israyeli makakunike okucelileyo kuye.

[18]Wathi: Incekukazi yakho mayifumane umusa emehlweni akho. Owesifazane wayesehamba, wadla, ubuso bakhe ababe busanyukumala.

[19]Bavuka ekuseni kakhulu, bakhuleka phambi kukaJehova, babuya, bafika endlini yabo eRama; u-Elkana wamazi uHana umkakhe, uJehova wamkhumbula.

[20]Kwathi sesiphelele isikhathi, uHana wakhulelwa, wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uSamuweli, ethi: Ngimcelile kuJehova.

[21]Lowo muntu u-Elkana wenyuka kanye nendlu yakhe ukuyonikela kuJehova umhlatshelo weminyaka nesithembiso sakhe.

[22]Kepha uHana akenyukanga, ngokuba wathi kumyeni wakhe: Hhayi aze alunyulwe umntwana; khona ngiyakumyisa ukuba abonakale phambi kukaJehova, ahlale khona njalo.

[23]Wayesethi u-Elkana umyeni wakhe kuye: Yenza okuhle emehlweni akho; hlala uze umlumule; uJehova makaqinise izwi lakhe kuphela. Owesifazane

mulher e criou o filho ao peito, até que o desmamou.

[24] Havendo-o desmamado, levou-o consigo, com um novilho de três anos, um efa de farinha e um odre de vinho, e o apresentou à Casa do SENHOR, a Siló. Era o menino ainda muito criança.

[25] Imolaram o novilho e trouxeram o menino a Eli.

[26] E disse ela: Ah! Meu senhor, tão certo como vives, eu sou aquela mulher que aqui esteve contigo, orando ao SENHOR.

[27] Por este menino orava eu; e o SENHOR me concedeu a petição que eu lhe fizera.

[28] Pelo que também o trago como devolvido ao SENHOR, por todos os dias que viver; pois do SENHOR o pedi. E eles adoraram ali o SENHOR.

wayesehlala, wancelisa indodana yakhe waze wayilumula.

[24]Eseyilumulile wenyuka nayo enezinkunzi ezintathu, ne-efa lempuphu, nemvaba yewayini, wakuyisa endlini kaJehova eShilo; umntwana wayesemncane.

[25]Bahlaba inkunzi, bamyisa umntwana ku-Eli.

[26]Wathi: E nkosi, kuphila komphefumulo wakho, nkosi yami, ngingowesifazane owayemi kuwe lapha, ekhuleka kuJehova.

[27]Ngamkhulekela lo mntwana; uJehova unginikile lokho engakucela kuye;

[28]ngalokho nami ngimnikele kuJehova; zonke izinsuku zokuphila kwakhe unikelwe kuJehova. Bakhuleka kuJehova khona.

1 Samuel 2

O cântico de Ana

[1] Então, orou Ana e disse: O meu coração se regozija no SENHOR, a minha força está exaltada no SENHOR; a minha boca se ri dos meus inimigos, porquanto me alegro na tua salvação.

[2] Não há santo como o SENHOR; porque não há outro além de ti; e Rocha não há, nenhuma, como o nosso Deus.

[3] Não multipliqueis palavras de orgulho, nem saiam coisas arrogantes da vossa boca; porque o SENHOR é o Deus da sabedoria e pesa todos os feitos na balança.

1 uSamuweli 2

Indumiso kaHana

[1] UHana wakhuleka wathi: Inhliziyo yami iyethaba kuJehova, uphondo lwami luphakeme kuJehova; umlomo wami ukhamisile phezu kwezitha zami, ngokuba ngenama ngensindiso yakho.

[2] Akakho ongcwele njengoJehova, ngokuba akakho noyedwa ngaphandle kwakho; futhi alikho idwala elinjengoNkulunkulu wethu.

[3]Ningabe nisakhuluma ngokuzidla kangaka, kungaphumi ukuqhosha emlonyeni wenu, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wokwazi; izenzo zilinganiswa nguye.

[4] O arco dos fortes é quebrado, porém os débeis, cingidos de força.

[5] Os que antes eram fartos hoje se alugam por pão, mas os que andavam famintos não sofrem mais fome; até a estéril tem sete filhos, e a que tinha muitos filhos perde o vigor.

[6] O SENHOR é o que tira a vida e a dá; faz descer à sepultura e faz subir.

[7] O SENHOR empobrece e enriquece; abaixa e também exalta.

[8] Levanta o pobre do pó e, desde o monturo, exalta o necessitado, para o fazer assentar entre os príncipes, para o fazer herdar o trono de glória; porque do SENHOR são as colunas da terra, e assentou sobre elas o mundo.

[9] Ele guarda os pés dos seus santos, porém os perversos emudecem nas trevas da morte; porque o homem não prevalece pela força.

[10] Os que contendem com o SENHOR são quebrantados; dos céus troveja contra eles. O SENHOR julga as extremidades da terra, dá força ao seu rei e exalta o poder do seu ungido.

[11] Então, Elcana foi-se a Ramá, a sua casa; porém o menino ficou servindo ao SENHOR, perante o sacerdote Eli.

Os crimes dos filhos de Eli

[12] Eram, porém, os filhos de Eli filhos de Belial e não se importavam com o SENHOR;

[4] Iminsalo yamaqhawe yaphuliwe, kepha abakhubekayo babhinciswa amandla.

[5] Ababesuthile baqashelwa isinkwa; ababelambile sebeyekile ukulamba; yebo, oyinyumba uzele abayisikhombisa; onabantwana abaningi uyawuma.

[6] UJehova uyabulala, abesephilisa; uyehlisela endaweni yabafileyo, abesenyusa.

[7]UJehova uyaphofisa, abesecebisa; uyathobisa, abesephakamisa.

[8] Uyamvusa ompofu othulini, uyaphakamisa impabanga ezaleni, abahlalise nezikhulu, badle ifa lesihlalo sobukhosi, ngokuba izinsika zomhlaba zingezikaJehova; ubekile izwe phezu kwazo.

[9] Uyakugcina izinyawo zabathembekileyo bakhe, kepha ababi bayakuthuliswa ebumnyameni, ngokuba akukho muntu oyakwahlula ngamandla.

[10] Abalwa noJehova bayakuphahlazwa; uyakuduma ezulwini phezu kwabo; uJehova uyakwahlulela amajukujuku omhlaba, anike inkosi yakhe amandla, aphakamise uphondo logcotshiweyo wakhe.

[11]U-Elkana waya eRama endlini yakhe. Umntwana wakhonza uJehova phambi kuka-Eli umpristi.

Ububi bamadodana ka-Eli

[12] Amadodana ka-Eli ayengabantu ababi; ayengamazi uJehova.

[13] pois o costume daqueles sacerdotes com o povo era que, oferecendo alguém sacrifício, vinha o moço do sacerdote, estando-se cozendo a carne, com um garfo de três dentes na mão;

[14] e metia-o na caldeira, ou na panela, ou no tacho, ou na marmita, e tudo quanto o garfo tirava o sacerdote tomava para si; assim se fazia a todo o Israel que ia ali, a Siló.

[15] Também, antes de se queimar a gordura, vinha o moço do sacerdote e dizia ao homem que sacrificava: Dá essa carne para assar ao sacerdote; porque não aceitará de ti carne cozida, senão crua.

[16] Se o ofertante lhe respondia: Queime-se primeiro a gordura, e, depois, tomarás quanto quiseres, então, ele lhe dizia: Não, porém hás de ma dar agora; se não, tomá-la-ei à força.

[17] Era, pois, mui grande o pecado destes moços perante o SENHOR, porquanto eles desprezavam a oferta do SENHOR.

A mocidade de Samuel

[18] Samuel ministrava perante o SENHOR, sendo ainda menino, vestido de uma estola sacerdotal de linho.

[19] Sua mãe lhe fazia uma túnica pequena e, de ano em ano, lha trazia quando, com seu marido, subia a oferecer o sacrifício anual.

[20] Eli abençoava a Elcana e a sua mulher e dizia: O SENHOR te dê filhos desta mulher, em lugar do filho que devolveu ao SENHOR. E voltavam para a sua casa.

[13]Kwakungumthetho wabapristi kubantu ukuba, nxa umuntu enikela ngomhlatshelo, kufike inceku yompristi inyama isabila, iphethe ngesandla ingwegwe emazinyo mathathu,

[14]ihlabe ngayo emcengezini, noma esocweni, noma ebhodweni, noma ekhanzini; konke ekwenyusayo ingwegwe, umpristi wakuthatha. Benze njalo eShilo kubo bonke abakwa-Israyeli ababefika khona.

[15] Yebo, bengakashisi amanoni, yafika inceku yompristi, yathi kumuntu ohlabayo: Letha inyama yokoselwa umpristi, ngokuba akayikuthatha kuwe inyama ephekiweyo kepha eluhlaza.

[16]Uma lowo muntu wathi kuye: Bayakushisa nokushisa amanoni kuqala, besewuthatha njengokuthanda kwakho, yathi: Hhayi, woyiletha manje; uma ungayilethi, ngiyakuyithatha ngamandla.

[17]Isono sezinsizwa sasisikhulu kakhulu phambi kukaJehova, ngokuba abantu bawudelela umnikelo kaJehova.

[18] USamuweli wakhonza phambi kukaJehova esengumntwana, egqoke ingubo yamahlombe yelineni.

[19]Futhi unina wamenzela ijazana, waliyisa kuye iminyaka ngeminyaka esenyuka nomyeni wakhe ukuyonikela ngomhlatshelo weminyaka yonke.

[20]U-Eli wabusisa u-Elkana nomkakhe, wathi: UJehova makakunike inzalo ngalo wesifazane ngenxa yalokho uJehova atshelekwa khona. Base bebuyela ekhaya.

[21] Abençoou, pois, o SENHOR a Ana, e ela concebeu e teve três filhos e duas filhas; e o jovem Samuel crescia diante do SENHOR.

[21]UJehova wamhambela uHana; wakhulelwa, wazala amadodana amathathu namadodakazi amabili. Umntwana uSamuweli wakhula phambi kukaJehova.

Eli repreende os seus filhos

[22] Era, porém, Eli já muito velho e ouvia tudo quanto seus filhos faziam a todo o Israel e de como se deitavam com as mulheres que serviam à porta da tenda da congregação.

[22] U-Eli wayesemdala kakhulu, wezwa konke amadodana akhe akwenzayo ku-Israyeli wonke, nokuthi ayelala nabesifazane ababekhonza ngasemnyango wetende lokuhlangana.

[23] E disse-lhes: Por que fazeis tais coisas? Pois de todo este povo ouço constantemente falar do vosso mau procedimento.

[23]Wathi kuwo: Nenzelani izinto ezinjalo na? Ngokuba ngiyezwa imisebenzi yenu emibi kubo bonke laba bantu.

[24] Não, filhos meus, porque não é boa fama esta que ouço; estais fazendo transgredir o povo do SENHOR.

[24]Hhayi, madodana ami, akusilo izwi elihle engilizwayo lenekwa ngabantu bakaJehova.

[25] Pecando o homem contra o próximo, Deus lhe será o árbitro; pecando, porém, contra o SENHOR, quem intercederá por ele? Entretanto, não ouviram a voz de seu pai, porque o SENHOR os queria matar.

[25]Uma umuntu ona kumuntu, uNkulunkulu uyakumahlulela, kepha uma umuntu ona kuJehova, uyakulanyulelwa ngubani na? Kodwa awalalelanga izwi likayise, ngokuba uJehova wayethanda ukuwabulala.

[26] Mas o jovem Samuel crescia em estatura e no favor do SENHOR e dos homens.

[26] Umntwana uSamuweli waqhubeka wakhula, waba muhle kuJehova nakubantu.

Profecia contra a casa de Eli

Izwi lokwahlulela indlu ka-Eli

[27] Veio um homem de Deus a Eli e lhe disse: Assim diz o SENHOR: Não me manifestei, na verdade, à casa de teu pai, estando os israelitas ainda no Egito, na casa de Faraó?

[27]Kwafika umuntu kaNkulunkulu ku-Eli, wathi kuye: UJehova usho kanje, uthi: Angithi ngazibonakalisa kuyo indlu kayihlo, beseseGibithe besendlini kaFaro.

[28] Eu o escolhi dentre todas as tribos de Israel para ser o meu sacerdote, para subir ao meu altar, para queimar o incenso e

[28]Ngamkhetha kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli ukuba abe ngumpristi wami, anikele e-altare lami, ashise impepho,

para trazer a estola sacerdotal perante mim; e dei à casa de teu pai todas as ofertas queimadas dos filhos de Israel.

29 Por que pisais aos pés os meus sacrifícios e as minhas ofertas de manjares, que ordenei se me fizessem na minha morada? E, tu, por que honras a teus filhos mais do que a mim, para tu e eles vos engordardes das melhores de todas as ofertas do meu povo de Israel?

30 Portanto, diz o SENHOR, Deus de Israel: Na verdade, dissera eu que a tua casa e a casa de teu pai andariam diante de mim perpetuamente; porém, agora, diz o SENHOR: Longe de mim tal coisa, porque aos que me honram, honrarei, porém os que me desprezam serão desmerecidos.

31 Eis que vêm dias em que cortarei o teu braço e o braço da casa de teu pai, para que não haja mais velho nenhum em tua casa.

32 E verás o aperto da morada de Deus, a um tempo com o bem que fará a Israel; e jamais haverá velho em tua casa.

33 O homem, porém, da tua linhagem a quem eu não afastar do meu altar será para te consumir os olhos e para te entristecer a alma; e todos os descendentes da tua casa morrerão na flor da idade.

34 Ser-te-á por sinal o que sobrevirá a teus dois filhos, a Hofni e Finéias: ambos morrerão no mesmo dia.

afake ingubo yamahlombe phambi kwami, nganika indlu kayihlo yonke iminikelo yomlilo yabantwana bakwa-Israyeli.

29Niwukhahlelelani umhlatshelo wami nomnikelo wami engiyale ngakho endlini yami, udumise amadodana akho phezu kwami, nizikhuluphalise ngeminikelo emihle kunayo yonke yakwa-Israyeli, abantu bami, na?

30 Ngalokho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: Ngasho nokusho ukuthi indlu yakho nendlu kayihlo yohamba phambi kwami kuze kube phakade. Kepha manje uJehova uthi: Makube kude nami, ngokuba abangidumisayo ngiyakubadumisa; abangidelelayo bayakweyiswa.

31Bheka, izinsuku ziyeza engiyakunquma ngazo ingalo yakho nengalo yendlu kayihlo ukuba kungabikho xhegu endlini yakho.

32Uyakubona ukuhlupheka kwendlu yami kukho konke okuhle ayakwenzelwa khona u-Israyeli; akuyikubakho xhegu endlini yakho kuze kube phakade.

33Kepha angiyikumnquma umuntu wakho e-altare lami ukuba aqede amehlo akho, abangele usizi umphefumulo wakho; yonke inzalo yendlu yakho iyakufa isebudodeni bayo.

34 Lokhu kuyakuba yisiboniso kuwe esiyakwehlela amadodana akho amabili,

[35] Então, suscitarei para mim um sacerdote fiel, que procederá segundo o que tenho no coração e na mente; edificar-lhe-ei uma casa estável, e andará ele diante do meu ungido para sempre.

[36] Será que todo aquele que restar da tua casa virá a inclinar-se diante dele, para obter uma moeda de prata e um bocado de pão, e dirá: Rogo-te que me admitas a algum dos cargos sacerdotais, para ter um pedaço de pão, que coma.

oHofini noFinehasi; ngalusuku lunye bayakufa bobabili.

[35] Ngiyakuzivusela umpristi othembekileyo oyakwenza njengokusenhliziyweni yami nasengqondweni yami; ngiyakumakhela indlu eqinileyo; uyakuhamba phambi kogcotshiweyo wami kuze kube phakade.

[36]Kuyakuthi bonke abasele endlini yakho bafike bamkhothamele ngohlamvu lwesiliva neqebelengwane lesinkwa, bathi: Ake ungibeke kwesinye sezikhundla zompristi ukuba ngidle ucezu lwesinkwa.

1 Samuel 3

Deus fala com Samuel numa visão

[1] O jovem Samuel servia ao SENHOR, perante Eli. Naqueles dias, a palavra do SENHOR era mui rara; as visões não eram freqüentes.

[2] Certo dia, estando deitado no lugar costumado o sacerdote Eli, cujos olhos já começavam a escurecer-se, a ponto de não poder ver,

[3] e tendo-se deitado também Samuel, no templo do SENHOR, em que estava a arca, antes que a lâmpada de Deus se apagasse,

[4] o SENHOR chamou o menino: Samuel, Samuel! Este respondeu: Eis-me aqui!

[5] Correu a Eli e disse: Eis-me aqui, pois tu me chamaste. Mas ele disse: Não te chamei; torna a deitar-te. Ele se foi e se deitou.

1 uSamuweli 3

UJehova uyazibonakalisa kuSamuweli

[1] Umntwana uSamuweli wamkhonza uJehova phambi kuka-Eli. Izwi likaJehova lalingavamile ngalezo zinsuku; nombono wawuyivelakancane.

[2] Kwathi ngaleso sikhathi u-Eli elele endaweni yakhe -- amehlo akhe ayeqale ukufiphala waze wangaba nakho ukubona --

[3] isibani sikaNkulunkulu sasingakacimi, uSamuweli elele ethempelini likaJehova, lapho kwakukhona umphongolo kaNkulunkulu,

[4]uJehova wambiza uSamuweli; wathi yena: Ngilapha.

[5]Wagijimela ku-Eli, wathi: Ngilapha, njengokuba ungibizile. Wathi: Angikubizanga; buya ulale. Wahamba, walala.

[6] Tornou o SENHOR a chamar: Samuel! Este se levantou, foi a Eli e disse: Eis-me aqui, pois tu me chamaste. Mas ele disse: Não te chamei, meu filho, torna a deitar-te.	[6]UJehova waphinda wambiza uSamuweli. USamuweli wavuka, waya ku-Eli, wathi: Ngilapha, njengokuba ungibizile. Wathi: Angikubizanga, ndodana yami; buya ulale.
[7] Porém Samuel ainda não conhecia o SENHOR, e ainda não lhe tinha sido manifestada a palavra do SENHOR.	[7]Kepha uSamuweli wayengakamazi uJehova, nezwi likaJehova lalingakambulelwa kuye.
[8] O SENHOR, pois, tornou a chamar a Samuel, terceira vez, e ele se levantou, e foi a Eli, e disse: Eis-me aqui, pois tu me chamaste. Então, entendeu Eli que era o SENHOR quem chamava o jovem.	[8]UJehova wambiza uSamuweli ngokwesithathu. Wavuka, waya ku-Eli, wathi: Ngilapha, njengokuba ungibizile. U-Eli wayeseqonda ukuthi nguJehova ombizile umntwana.
[9] Por isso, Eli disse a Samuel: Vai deitar-te; se alguém te chamar, dirás: Fala, SENHOR, porque o teu servo ouve. E foi Samuel para o seu lugar e se deitou.	[9]U-Eli wathi kuSamuweli: Hamba, ulale; kuyakuthi uma ekubiza, usho ukuthi: Khuluma, Jehova, ngokuba inceku yakho iyezwa. Wayesehamba uSamuweli, walala endaweni yakhe.
[10] Então, veio o SENHOR, e ali esteve, e chamou como das outras vezes: Samuel, Samuel! Este respondeu: Fala, porque o teu servo ouve.	[10]UJehova wafika, wema, wambiza njengakwezinye izikhathi: Samuweli, Samuweli! USamuweli wathi: Khuluma, ngokuba inceku yakho iyezwa.
[11] Disse o SENHOR a Samuel: Eis que vou fazer uma coisa em Israel, a qual todo o que a ouvir lhe tinirão ambos os ouvidos.	[11] UJehova wathi kuSamuweli: Bheka, ngiyakwenza into kwa-Israyeli eziyakunkeneneza ngayo izindlebe zombili zabo bonke abayizwayo.
[12] Naquele dia, suscitarei contra Eli tudo quanto tenho falado com respeito à sua casa; começarei e o cumprirei.	[12] Ngalolo suku ngiyakumehlisela u-Eli konke engikukhulumile ngendlu yakhe, kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.
[13] Porque já lhe disse que julgarei a sua casa para sempre, pela iniqüidade que ele bem conhecia, porque seus filhos se fizeram execráveis, e ele os não repreendeu.	[13]Ngokuba ngimtshelile ukuthi ngiyakwahlulela indlu yakhe kuze kube phakade ngobubi abaziyo, lokhu amadodana akhe ayezehlisela isiqalekiso, engawakhuzanga.

[14] Portanto, jurei à casa de Eli que nunca lhe será expiada a iniqüidade, nem com sacrifício, nem com oferta de manjares.

Samuel conta a visão a Eli

[15] Ficou Samuel deitado até pela manhã e, então, abriu as portas da Casa do SENHOR; porém temia relatar a visão a Eli.

[16] Chamou Eli a Samuel e disse: Samuel, meu filho! Ele respondeu: Eis-me aqui!

[17] Então, ele disse: Que é que o SENHOR te falou? Peço-te que mo não encubras; assim Deus te faça o que bem lhe aprouver se me encobrires alguma coisa de tudo o que te falou.

[18] Então, Samuel lhe referiu tudo e nada lhe encobriu. E disse Eli: É o SENHOR; faça o que bem lhe aprouver.

[19] Crescia Samuel, e o SENHOR era com ele, e nenhuma de todas as suas palavras deixou cair em terra.

[20] Todo o Israel, desde Dã até Berseba, conheceu que Samuel estava confirmado como profeta do SENHOR.

[21] Continuou o SENHOR a aparecer em Siló, enquanto por sua palavra o SENHOR se manifestava ali a Samuel.

1 Samuel 4

Os filisteus vencem os israelitas

[1] Veio a palavra de Samuel a todo o Israel. Israel saiu à peleja contra os filisteus e se

[14] Ngalokho ngifungile ngendlu ka-Eli ukuthi ububi bendlu ka-Eli abuyikuhlangulwa ngomhlatshelo nangomnikelo kuze kube phakade.

[15]USamuweli walala kwaze kwasa, wavula iminyango yendlu kaJehova. USamuweli wesaba ukumtshela u-Eli umbono.

[16]U-Eli wayesembiza uSamuweli, wathi: Samuweli, ndodana yami! Wathi: Ngilapha.

[17]Wathi: Yintoni owayikhulumayo kuwe na? Ake ungayifihli kimi; uNkulunkulu makenze njalo kuwe, enezele futhi, uma ungifihlela izwi elilodwa lakho konke lokho owakukhuluma kuwe.

[18]USamuweli wayesemtshela konke, akamfihlelanga lutho. Wathi: NguJehova; makenze okuhle emehlweni akhe.

[19] USamuweli wakhula; uJehova wayenaye; akawisanga phansi nelilodwa lamazwi akhe.

[20] Wonke u-Israyeli kusukela kwaDani kuze kube seBeri Sheba wazi ukuthi uSamuweli uqinisiwe ukuba abe ngumprofethi kaJehova.

[21]UJehova waphinda wabonakala eShilo, ngokuba uJehova wazibonakalisa kuSamuweli eShilo ngezwi likaJehova.

1 uSamuweli 4

[5] Porém o profeta Gade disse a Davi: Não fiques neste lugar seguro; vai e entra na terra de Judá. Então, Davi saiu e foi para o bosque de Herete.

Saul mata todos os sacerdotes de Nobe

[6] Ouviu Saul que Davi e os homens que o acompanhavam foram descobertos. Achando-se Saul em Gibeá, debaixo de um arvoredo, numa colina, tendo na mão a sua lança, e todos os seus servos com ele,

[7] disse a todos estes: Ouvi, peço-vos, filhos de Benjamim, dar-vos-á também o filho de Jessé, a todos vós, terras e vinhas e vos fará a todos chefes de milhares e chefes de centenas,

[8] para que todos tenhais conspirado contra mim? E ninguém houve que me desse aviso de que meu filho fez aliança com o filho de Jessé; e nenhum dentre vós há que se doa por mim e me participe que meu filho contra mim instigou a meu servo, para me armar ciladas, como se vê neste dia.

[9] Então, respondeu Doegue, o edomita, que também estava com os servos de Saul, e disse: Vi o filho de Jessé chegar a Nobe, a Aimeleque, filho de Aitube,

[3]UDavide wasuka khona, waya eMispa lakwaMowabi, wathi enkosini yakwaMowabi: Ake beze ubaba nomame, bahlale kini, ngize ngazi ukuthi uNkulunkulu uyakwenzani kimi.

[4]Wabaletha phambi kwenkosi yakwaMowabi, bahlala kuye zonke izinsuku uDavide esenqabeni.

[5] Umprofethi uGadi wathi kuDavide: Ungahlali enqabeni; hamba uye ezweni lakwaJuda. Wayesesuka uDavide, wafika ehlathini laseHereti.

USawule ubulala abaseNobi

[6]USawule wezwa ukuthi uDavide uyaziwa nabantu ababe naye; uSawule wayehlezi eGibeya phansi komtamariske egqumeni ephethe umkhonto esandleni sakhe, zonke izinceku zimi ngakuye.

[7] USawule wathi ezincekwini zakhe ezazimi ngakuye: Yizwani nina bakwaBenjamini; indodana kaJese iyakuninika nonke amasimu nezivini, inenze nonke nibe yizinduna zezinkulungwane nezinduna zamakhulu,

[8] ngokuba ningenzele nonke ugobe, akwababikho ongitshelileyo lapho indodana yami yenza isivumelwano nendodana kaJese, akwababikho kini ongidabukelayo nongitshelayo ukuthi indodana yami ingivusele inceku yami ukuba ingiqamekele njenganamuhla.

[9] UDowegi wakwa-Edomi owayemi ngakuzo izinceku zikaSawule waphendula wathi: Ngabona indodana kaJese iza

eNobi ku-Ahimeleki indodana ka-Ahithubi.

10 e como Aimeleque, a pedido dele, consultou o SENHOR, e lhe fez provisões, e lhe deu a espada de Golias, o filisteu.

10 Wambuzela kuJehova, wamnika umphako, wamnika nenkemba kaGoliyati umFilisti.

11 Então, o rei mandou chamar Aimeleque, sacerdote, filho de Aitube, e toda a casa de seu pai, a saber, os sacerdotes que estavam em Nobe; todos eles vieram ao rei.

11Inkosi yayisithumela ukubiza u-Ahimeleki umpristi, indodana ka-Ahithubi, nendlu yonke kayise, abapristi ababeseNobi; beza bonke enkosini.

12 Disse Saul: Ouve, peço-te, filho de Aitube! Este respondeu: Eis-me aqui, meu senhor!

12USawule wathi: Yizwa-ke, wena ndodana ka-Ahithubi. Waphendula wathi: Ngilapha, nkosi.

13 Então, lhe disse Saul: Por que conspirastes contra mim, tu e o filho de Jessé? Pois lhe deste pão e espada e consultaste a favor dele a Deus, para que se levantasse contra mim e me armasse ciladas, como hoje se vê.

13USawule wathi kuye: Ningenzeleleni ugobe, wena nendodana kaJese, ngokuyinika isinkwa nenkemba, uyibuzele kuNkulunkulu ukuba ingivukele, ingiqamekele njenganamuhla, na?

14 Respondeu Aimeleque ao rei e disse: E quem, entre todos os teus servos, há tão fiel como Davi, o genro do rei, chefe da tua guarda pessoal e honrado na tua casa?

14 U-Ahimeleki waphendula inkosi, wathi: Ngubani kuzo zonke izinceku zakho othembekile njengoDavide, umkhwenyana wenkosi, nenduna yabalindi bakho, nodumileyo endlini yakho, na?

15 Acaso, é de hoje que consulto a Deus em seu favor? Não! Jamais impute o rei coisa nenhuma a seu servo, nem a toda a casa de meu pai, pois o teu servo de nada soube de tudo isso, nem muito nem pouco.

15Ngiqale namuhla yini ukumbuzela kuJehova na? Makube kude nami; inkosi mayingabeki cala encekwini yayo, nakuyo yonke indlu kababa, ngokuba inceku yakho ayazi lutho lwayo yonke le ndaba, oluncane noma olukhulu.

16 Respondeu o rei: Aimeleque, morrerás, tu e toda a casa de teu pai.

16Inkosi yayisithi: Uyakufa nokufa, Ahimeleki, wena nayo yonke indlu kayihlo.

17 Disse o rei aos da guarda, que estavam com ele: Volvei e matai os sacerdotes do

17Inkosi yathi kuzo izigijimi ezazimi ngakuyo: Sondelani, nibulale abapristi

SENHOR, porque também estão de mãos dadas com Davi e porque souberam que fugiu e não mo fizeram saber. Porém os servos do rei não quiseram estender as mãos contra os sacerdotes do SENHOR.

bakaJehova, ngokuba nesandla sabo sinaye uDavide nangokuba bazi ukuthi uDavide wabaleka, bengakwambulelanga kimi. Kepha izinceku zenkosi azivumanga ukwelula isandla sazo ukuba zisukele abapristi bakaJehova.

18 Então, disse o rei a Doegue: Volve-te e arremete contra os sacerdotes. Então, se virou Doegue, o edomita, e arremeteu contra os sacerdotes, e matou, naquele dia, oitenta e cinco homens que vestiam estola sacerdotal de linho.

18 Inkosi yathi kuDowegi: Sondela wena, usukele abapristi. UDowegi wabakwa-Edomi wasondela, wabasukela abapristi, wabulala ngalolo suku abantu abangamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu, abembethe ingubo yamahlombe yelineni.

19 Também a Nobe, cidade destes sacerdotes, passou a fio de espada: homens, e mulheres, e meninos, e crianças de peito, e bois, e jumentos, e ovelhas.

19 INobi, umuzi wabapristi, walichitha ngosiko lwenkemba, abesilisa nabesifazane, izingane nabancelayo, izinkabi nezimbongolo nezimvu, ngosiko lwenkemba.

Abiatar refugia-se com Davi

20 Porém dos filhos de Aimeleque, filho de Aitube, um só, cujo nome era Abiatar, salvou-se e fugiu para Davi;

20Omunye wamadodana ka-Ahimeleki indodana ka-Ahithubi ogama lakhe lingu-Abiyathara wabaleka, wamlandela uDavide.

21 e lhe anunciou que Saul tinha matado os sacerdotes do SENHOR.

21U-Abiyathara wamtshela uDavide ukuthi uSawule ubulele abapristi bakaJehova.

22 Então, Davi disse a Abiatar: Bem sabia eu, naquele dia, que, estando ali Doegue, o edomita, não deixaria de o dizer a Saul. Fui a causa da morte de todas as pessoas da casa de teu pai.

22UDavide wathi ku-Abiyathara: Ngazi ngalolo suku mhla uDowegi wakwa-Edomi elapho ukuthi uyakumtshela nokumtshela uSawule; yimi engibangele ukuba bafe abantu bonke bendlu kayihlo.

23 Fica comigo, não temas, porque quem procura a minha morte procura também a tua; estarás a salvo comigo.

23Hlala kimi, ungesabi, ngokuba ofuna ukuphila kwami ufuna ukuphila kwakho, kepha uyakulondolozeka kimi.

1 Samuel 23

1 uSamuweli 23

Davi livra a Queila

[1] Foi dito a Davi: Eis que os filisteus pelejam contra Queila e saqueiam as eiras.

[2] Consultou Davi ao SENHOR, dizendo: Irei eu e ferirei estes filisteus? Respondeu o SENHOR a Davi: Vai, e ferirás os filisteus, e livrarás Queila.

[3] Porém os homens de Davi lhe disseram: Temos medo aqui em Judá, quanto mais indo a Queila contra as tropas dos filisteus.

[4] Então, Davi tornou a consultar o SENHOR, e o SENHOR lhe respondeu e disse: Dispõe-te, desce a Queila, porque te dou os filisteus nas tuas mãos.

[5] Partiu Davi com seus homens a Queila, e pelejou contra os filisteus, e levou todo o gado, e fez grande morticínio entre eles; assim, Davi salvou os moradores de Queila.

[6] Sucedeu que, quando Abiatar, filho de Aimeleque, fugiu para Davi, a Queila, desceu com a estola sacerdotal na mão.

[7] Foi anunciado a Saul que Davi tinha ido a Queila. Disse Saul: Deus o entregou nas minhas mãos; está encerrado, pois entrou numa cidade de portas e ferrolhos.

[8] Então, Saul mandou chamar todo o povo à peleja, para que descessem a Queila e cercassem Davi e os seus homens.

[9] Sabedor, porém, Davi de que Saul maquinava o mal contra ele, disse a

Ukukhululwa kweKeyila

[1]Kwabikwa kuDavide ukuthi: Bheka, amaFilisti ayalwa neKeyila, aphanga izibuya.

[2] Ngalokho uDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngiye ngibulale lawo maFilisti na? UJehova wathi kuDavide: Hamba uwabulale amaFilisti, usindise iKeyila.

[3]Abantu bakaDavide bathi kuye: Bheka, siyesaba lapha kwaJuda; kakhulu kangakanani, uma siya eKeyila, silwe nezimpi zamaFilisti na?

[4]UDavide waphinda wabuza kuJehova. UJehova wamphendula wathi: Suka wehlele eKeyila, ngokuba ngiyakunikela amaFilisti esandleni sakho.

[5]UDavide nabantu bakhe baya eKeyila, balwa namaFilisti, bathumba izinkomo zawo, bawaceka ngokuceka okukhulu. Wayesebasindisa uDavide abaseKeyila.

[6] Kwathi lapho u-Abiyathara indodana ka-Ahimeleki ebaleka eya kuDavide eKeyila, wehla, ingubo yamahlombe isesandleni sakhe.

[7]Kwabikwa kuSawule ukuthi uDavide ufikile eKeyila. Wayesethi uSawule: UNkulunkulu umkhaphele esandleni sami, ngokuba uzivalele ngokungena emzini onamasango nemigoqo.

[8]USawule wabiza abantu bonke, baye empini, behlele eKeyila, bavimbezele uDavide nabantu bakhe.

[9] UDavide wazi ukuthi uSawule uceba okubi ngaye; wathi ku-Abiyathara umpristi: Letha ingubo yamahlombe.

Abiatar, sacerdote: Traze aqui a estola sacerdotal.

[10] Orou Davi: Ó SENHOR, Deus de Israel, teu servo ouviu que Saul, de fato, procura vir a Queila, para destruir a cidade por causa de mim.

[10]Wayesethi uDavide: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, inceku yakho izwile nokuzwa ukuthi uSawule ufuna ukuza eKeyila ukuba achithe umuzi ngenxa yami.

[11] Entregar-me-ão os homens de Queila nas mãos dele? Descerá Saul, como o teu servo ouviu? Ah! SENHOR, Deus de Israel, faze-o saber ao teu servo. E disse o SENHOR: Descerá.

[11]Abantu baseKeyila bayakungikhaphela yini esandleni sakhe na? USawule uyakwehla njengalokho inceku yakho izwile na? Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, ake uyitshele inceku yakho. Wathi uJehova: Uyakwehla.

[12] Perguntou-lhe Davi: Entregar-me-ão os homens de Queila, a mim e aos meus servos, nas mãos de Saul? Respondeu o SENHOR: Entregarão.

[12]Wayesethi uDavide: Abantu baseKeyila bayakungikhaphela mina nabantu bami esandleni sikaSawule na? Wathi uJehova: Bayakukukhaphela.

[13] Então, se dispôs Davi com os seus homens, uns seiscentos, saíram de Queila e se foram sem rumo certo. Sendo anunciado a Saul que Davi fugira de Queila, cessou de persegui-lo.

[13]Wayesesuka uDavide nabantu bakhe kungathi abangamakhulu ayisithupha, baphuma eKeyila, bahamba lapho bebenokuhamba khona. Kwabikwa kuSawule ukuthi uDavide ubalekile eKeyila; wayeseyeka ukuphuma.

UJonathani ukuDavide eZifi

[14] Permaneceu Davi no deserto, nos lugares seguros, e ficou na região montanhosa no deserto de Zife. Saul buscava-o todos os dias, porém Deus não o entregou nas suas mãos.

[14]UDavide wahlala ehlane ezinqabeni, wahlala ezintabeni ezisehlane laseZifi. USawule wamfuna zonke izinsuku, kepha uNkulunkulu akamnikelanga esandleni sakhe.

Davi e Jônatas renovam a aliança

[15] Vendo, pois, Davi que Saul saíra a tirar-lhe a vida, deteve-se no deserto de Zife, em Horesa.

[15]UDavide wabona ukuthi uSawule uphumele ukufuna ukuphila kwakhe; uDavide wayesehlane laseZifi eHoreshi.

[16] Então, se levantou Jônatas, filho de Saul, e foi para Davi, a Horesa, e lhe fortaleceu a confiança em Deus,

[16]Kwasuka uJonathani indodana kaSawule, waya kuDavide eHoreshi, waqinisa isandla sakhe kuNkulunkulu.

[17] e lhe disse: Não temas, porque a mão de Saul, meu pai, não te achará; porém tu reinarás sobre Israel, e eu serei contigo o segundo, o que também Saul, meu pai, bem sabe.

[18] E ambos fizeram aliança perante o SENHOR. Davi ficou em Horesa, e Jônatas voltou para sua casa.

A traição dos zifeus

[19] Então, subiram os zifeus a Saul, a Gibeá, dizendo: Não se escondeu Davi entre nós, nos lugares seguros de Horesa, no outeiro de Haquila, que está ao sul de Jesimom?

[20] Agora, pois, ó rei, desce conforme te impõe o coração; toca-nos a nós entregarmo-lo nas mãos do rei.

[21] Disse Saul: Benditos sejais vós do SENHOR, porque vos compadecestes de mim.

[22] Ide, pois, informai-vos ainda melhor, sabei e notai o lugar que freqüenta e quem o tenha visto ali; porque me foi dito que é astutíssimo.

[23] Pelo que atentai bem e informai-vos acerca de todos os esconderijos em que ele se oculta; então, voltai a ter comigo com seguras informações, e irei convosco; se ele estiver na terra, buscá-lo-ei entre todos os milhares de Judá.

[24] Então, se levantaram eles e se foram a Zife, adiante de Saul; Davi, porém, e os seus homens estavam no deserto de Maom, na planície, ao sul de Jesimom.

[17] Wathi kuye: Ungesabi, ngokuba isandla sikaSawule ubaba asiyikukufumana; wena uyakuba yinkosi phezu kuka-Israyeli, mina ngikwelame; noSawule ubaba uyakwazi lokho.

[18] Benza isivumelwano bobabili phambi kukaJehova; uDavide wahlala eHoreshi, uJonathani waya endlini yakhe.

Inkohliso yabaseZifi

[19] Kwase kwenyuka abaseZifi, baya kuSawule eGibeya, bathi: UDavide akacashi yini kithi ezinqabeni zaseHoreshi entabeni yaseHakhila elingaseningizimu kwasehlane na?

[20]Ngalokho yehla, nkosi, uma kuyisifiso senhliziyo yakho ukwehla, thina simkhaphele esandleni senkosi.

[21]USawule wathi: Manibusiswe, ngokuba ningihawukele.

[22]Manihambe, niqinise, nazi, nibone indawo yakhe lapho kukhona unyawo lwakhe nokuthi ubonwe ngubani khona, ngokuba ngitsheliwe ukuthi unobuqili impela.

[23]Bhekani, nizazi zonke izindawo zokucasha, lapho ecasha khona, nibuyele kimi nineqiniso; ngiyakuhamba nani; kuyakuthi uma ekhona ezweni, ngimfice phakathi kwayo yonke imindeni yakwaJuda.

[24]Base besuka, baya eZifi phambi kukaSawule; kepha uDavide nabantu bakhe babesehlane laseMahoni e-Araba ngaseningizimu kwasehlane.

UDavide useMahoni

[25] Saul e os seus homens se foram ao encalço dele, e isto foi dito a Davi; pelo que desceu para a penha que está no deserto de Maom. Ouvindo-o Saul, perseguiu a Davi no deserto de Maom.

[26] Saul ia de um lado do monte, e Davi e os seus homens, da outra; apressou-se Davi em fugir para escapar de Saul; porém este e os seus homens cercaram Davi e os seus homens para os prender.

[27] Então, veio um mensageiro a Saul, dizendo: Apressa-te e vem, porque os filisteus invadiram a terra.

[28] Pelo que Saul desistiu de perseguir a Davi e se foi contra os filisteus. Por esta razão, aquele lugar se chamou Pedra de Escape.

[29] Subiu Davi daquele lugar e ficou nos lugares seguros de En-Gedi.

[25]USawule nabantu bakhe baya ukumfuna. UDavide watshelwa; wehlela-ke eweni, wahlala ehlane laseMahoni. USawule ekuzwa, wamxosha uDavide ehlane laseMahoni.

[26]USawule wahamba ngalapha kwentaba, uDavide nabantu bakhe bahamba ngale kwentaba; uDavide washesha wahamba ngokumesaba uSawule, ngokuba uSawule nabantu bakhe bahaqa uDavide nabantu bakhe ukuba bababambe.

[27]Kepha kwafika isithunywa kuSawule, sithi: Shesha ufike, ngokuba amaFilisti angenele izwe.

[28]Wayesebuya uSawule ekumxosheni uDavide, wahamba ukuhlangabezana namaFilisti; ngalokho babiza leyo ndawo ngokuthi iSela Hamalekoti.

[29]UDavide wakhuphuka lapho, wahlala ezinqabeni zase-Eni Gedi.

1 Samuel 24

Davi poupa a vida de Saul

[1] Tendo Saul voltado de perseguir os filisteus, foi-lhe dito: Eis que Davi está no deserto de En-Gedi.

[2] Tomou, então, Saul três mil homens, escolhidos dentre todo o Israel, e foi ao encalço de Davi e dos seus homens, nas faldas das penhas das cabras monteses.

[3] Chegou a uns currais de ovelhas no caminho, onde havia uma caverna; entrou nela Saul, a aliviar o ventre. Ora, Davi e os seus homens estavam assentados no mais interior da mesma.

1 uSamuweli 24

ODavide noSawule basemhumeni wase-Eni Gedi

[1]Kwathi uSawule esebuyile ekuxosheni amaFilisti, kwabikwa kuye ukuthi: Bheka, uDavide usehlane lase-Eni Gedi.

[2] USawule wayesethatha abantu abayizinkulungwane ezintathu abakhethiweyo kuye wonke u-Israyeli, wahamba ukumfuna uDavide nabantu bakhe emaDwaleni amaGogo.

[3] Wafika ezibayeni zezimvu ngasendleleni, lapho kukhona umhume; uSawule wangena khona ukuba embese izinyawo zakhe. UDavide nabantu bakhe babehlezi emuva emhumeni.

[4] Então, os homens de Davi lhe disseram: Hoje é o dia do qual o SENHOR te disse: Eis que te entrego nas mãos o teu inimigo, e far-lhe-ás o que bem te parecer. Levantou-se Davi e, furtivamente, cortou a orla do manto de Saul.

[5] Sucedeu, porém, que, depois, sentiu Davi bater-lhe o coração, por ter cortado a orla do manto de Saul;

[6] e disse aos seus homens: O SENHOR me guarde de que eu faça tal coisa ao meu senhor, isto é, que eu estenda a mão contra ele, pois é o ungido do SENHOR.

[7] Com estas palavras, Davi conteve os seus homens e não lhes permitiu que se levantassem contra Saul; retirando-se Saul da caverna, prosseguiu o seu caminho.

[8] Depois, também Davi se levantou e, saindo da caverna, gritou a Saul, dizendo: Ó rei, meu senhor! Olhando Saul para trás, inclinou-se Davi e fez-lhe reverência, com o rosto em terra.

[9] Disse Davi a Saul: Por que dás tu ouvidos às palavras dos homens que dizem: Davi procura fazer-te mal?

[10] Os teus próprios olhos viram, hoje, que o SENHOR te pôs em minhas mãos nesta caverna, e alguns disseram que eu te matasse; porém a minha mão te poupou; porque disse: Não estenderei a mão contra o meu senhor, pois é o ungido de Deus.

[4] Abantu bakaDavide bathi kuye: Bheka, nantu usuku uJehova asho ngalo kuwe ukuthi: Bheka, ngiyakunikela isitha sakho esandleni sakho, wenze kuso okuhle emehlweni akho. Wayesesuka uDavide, wasika ngasese umphetho wengubo kaSawule.

[5] Kwathi ngasemuva uDavide wahlabeka enhliziyweni, ngokuba wayesikile umphetho wengubo kaSawule.

[6]Wathi kubantu bakhe: Makube kude nami, Jehova, ukuba ngenze okunjalo kuyo inkosi yami, ogcotshiweyo kaJehova, ngelulele isandla sami kuye, lokhu engogcotshiweyo kaJehova.

[7] UDavide wabathiya ngalawo mazwi, akabavumelanga ukuba bamvukele uSawule. USawule wasuka emhumeni, wahamba.

[8]Naye uDavide wasuka ngasemuva, waphuma emhumeni, wamemeza emva kukaSawule, ethi: Nkosi yami, nkosi! USawule wabheka emuva, uDavide wakhothamela phansi ngobuso, wakhuleka.

[9]UDavide wathi kuSawule: Ulalelelani amazwi abantu abathi: Bheka, uDavide ufuna ukukulimaza ?

[10]Bheka, namuhla amehlo akho abonile ukuthi uJehova wayekunikele esandleni sami emhumeni; abanye bathi mangikubulale, kepha ngakuhawukela, ngathi: Angiyikwelulela isandla sami kuyo inkosi yami, ngokuba ingogcotshiweyo kaJehova.

11 Olha, pois, meu pai, vê aqui a orla do teu manto na minha mão. No fato de haver eu cortado a orla do teu manto sem te matar, reconhece e vê que não há em mim nem mal nem rebeldia, e não pequei contra ti, ainda que andas à caça da minha vida para ma tirares.

11Futhi, baba, bheka, yebo, bheka, umphetho wengubo yakho usesandleni sami, ngokuba lokhu ngasika umphetho wengubo yakho ngingakubulalanga, yazi, ubone ukuthi akukho bubi nasiphambeko esandleni sami, angonanga kuwe, noma uqamekela ukuphila kwami ukuba ukuthathe.

12 Julgue o SENHOR entre mim e ti e vingue-me o SENHOR a teu respeito; porém a minha mão não será contra ti.

12UJehova makahlulele phakathi kwami nawe, uJehova angiphindisele kuwe, kepha isandla sami asiyikuba phezu kwakho.

13 Dos perversos procede a perversidade, diz o provérbio dos antigos; porém a minha mão não está contra ti.

13 Kunjengesaga sasendulo esithi: Kwababi kuvela okubi; ngalokho isandla sami asiyikuba phezu kwakho.

14 Após quem saiu o rei de Israel? A quem persegue? A um cão morto? A uma pulga?

14 Inkosi yakwa-Israyeli iphumele ukulandela bani na? Uxosha bani na? Uxosha inja efileyo, intwakumba eyodwa nje.

15 Seja o SENHOR o meu juiz, e julgue entre mim e ti, e veja, e pleiteie a minha causa, e me faça justiça, e me livre da tua mão.

15 UJehova makabe ngumahluleli, ahlulele phakathi kwami nawe, abheke, angimele, angikhulule esandleni sakho.

16 Tendo Davi acabado de falar a Saul todas estas palavras, disse Saul: É isto a tua voz, meu filho Davi? E chorou Saul em voz alta.

16 Kwathi uDavide eseqedile ukukhuluma lawo mazwi kuSawule, uSawule wathi: Yizwi lakho leli, ndodana yami Davide, na? USawule wadazuluka, wakhala.

17 Disse a Davi: Mais justo és do que eu; pois tu me recompensaste com bem, e eu te paguei com mal.

17 Wayesethi kuDavide: Ulungile kunami, ngokuba wena ungiphindisele ngokuhle, kepha mina ngikuphindisele ngokubi.

18 Mostraste, hoje, que me fizeste bem; pois o SENHOR me havia posto em tuas mãos, e tu me não mataste.

18Ulandile namuhla ukuthi ungenzele okuhle, njengokuba, lapho uJehova ebenginikele esandleni sakho, awungibulalanga.

[19] Porque quem há que, encontrando o inimigo, o deixa ir por bom caminho? O SENHOR, pois, te pague com bem, pelo que, hoje, me fizeste.

[20] Agora, pois, tenho certeza de que serás rei e de que o reino de Israel há de ser firme na tua mão.

[21] Portanto, jura-me pelo SENHOR que não eliminarás a minha descendência, nem desfarás o meu nome da casa de meu pai.

[22] Então, jurou Davi a Saul, e este se foi para sua casa; porém Davi e os seus homens subiram ao lugar seguro.

[19] Ngokuba uma umuntu efica isitha sakhe, uyasivumela ukuba sihambe ngendlela enhle na? UJehova makakuphindisele ngokuhle ngokwenzileyo kimi namuhla.

[20]Manje bheka, ngiyazi ukuthi uyakuba yinkosi impela, nombuso wakwa-Israyeli uyakuqiniswa esandleni sakho.

[21] Ngalokho ngifungele uJehova ukuthi awuyikunquma inzalo yami emva kwami nokuthi awuyikwesula igama lami endlini kababa.

[22]UDavide wafunga kuSawule; uSawule wagoduka, kepha uDavide nabantu bakhe bakhuphukela enqabeni.

1 Samuel 25

A morte de Samuel

[1] Faleceu Samuel; todos os filhos de Israel se ajuntaram, e o prantearam, e o sepultaram na sua casa, em Ramá. Davi se levantou e desceu ao deserto de Parã.

Davi e Nabal

[2] Havia um homem, em Maom, que tinha as suas possessões no Carmelo; homem abastado, tinha três mil ovelhas e mil cabras e estava tosquiando as suas ovelhas no Carmelo.

[3] Nabal era o nome deste homem, e Abigail, o de sua mulher; esta era sensata e formosa, porém o homem era duro e maligno em todo o seu trato. Era ele da casa de Calebe.

1 uSamuweli 25

Ukufa nokumbelwa kukaSamuweli. ONabali no-Abigayili

[1] USamuweli wafa; wahlangana wonke u-Israyeli, wamlilela, wammbela ngasendlini yakhe eRama. UDavide wasuka, wehlela ehlane lasePharanu.

[2] Kwakukhona umuntu eMahoni onemfuyo yakhe eKarmeli; lowo muntu wayemkhulu kakhulu, wayenezimvu eziyizinkulungwane ezintathu nezimbuzi eziyinkulungwane; wayezigunda izimvu zakhe eKarmeli.

[3]Igama lalowo muntu lalinguNabali; igama lomkakhe lalingu-Abigayili; owesifazane wayehlakaniphile, ebukeka emuhle, kepha indoda yayilukhuni inobubi emisebenzini yayo; yayingekaKalebi.

[4] Ouvindo Davi, no deserto, que Nabal tosquiava as suas ovelhas,

[5] enviou dez moços e lhes disse: Subi ao Carmelo, ide a Nabal, perguntai-lhe, em meu nome, como está.

[6] Direis àquele próspero: Paz seja contigo, e tenha paz a tua casa, e tudo o que possuis tenha paz!

[7] Tenho ouvido que tens tosquiadores. Os teus pastores estiveram conosco; nenhum agravo lhes fizemos, e de nenhuma coisa sentiram falta todos os dias que estiveram no Carmelo.

[8] Pergunta aos teus moços, e eles to dirão; achem mercê, pois, os meus moços na tua presença, porque viemos em boa hora; dá, pois, a teus servos e a Davi, teu filho, qualquer coisa que tiveres à mão.

[9] Chegando, pois, os moços de Davi e tendo falado a Nabal todas essas palavras em nome de Davi, aguardaram.

[10] Respondeu Nabal aos moços de Davi e disse: Quem é Davi, e quem é o filho de Jessé? Muitos são, hoje em dia, os servos que fogem ao seu senhor.

[11] Tomaria eu, pois, o meu pão, e a minha água, e a carne das minhas reses que degolei para os meus tosquiadores e o daria a homens que eu não sei donde vêm?

[12] Então, os moços de Davi puseram-se a caminho, voltaram e, tendo chegado, lhe

[4]UDavide wezwa ehlane ukuthi uNabali ugunda izimvu zakhe.

[5]UDavide wathuma izinsizwa eziyishumi; uDavide wathi kuzo izinsizwa: Khuphukelani eKarmeli, niye kuNabali, nimbingelele egameni lami,

[6]nithi kumfowethu: Ukuthula makube kuwe, ukuthula nakube kuyo indlu yakho, ukuthula makube kukho konke onakho.

[7] Manje sengizwile ukuthi unabagundi; abelusi bakho babe nathi, asibalimazanga, abalahlekelwa lutho zonke izinsuku beseKarmeli.

[8]Buza izinsizwa zakho, ziyakukutshela; ngalokho izinsizwa mazithole umusa emehlweni akho, ngokuba sifikile ngosuku oluhle; ake unike izinceku zakho nendodana yakho uDavide okungafunyanwa esandleni sakho.

[9]Sezifikile izinsizwa zikaDavide zakhuluma kuNabali njengawo onke lawo mazwi egameni likaDavide, bese zilinda.

[10]UNabali waziphendula izinceku zikaDavide, wathi: Ngubani uDavide na? Ngubani indodana kaJese na? Namuhla kukhona izinceku eziningi ezeqa emakhosini azo.

[11]Ngithathe yini isinkwa sami, namanzi ami, nengikuhlabele abagundi bami, ngikuphe abantu engingabazi ukuthi bavelaphi, na?

[12]Zase ziphenduka izinsizwa zikaDavide endleleni yazo, zabuyela, zamtshela onke lawo mazwi.

contaram tudo, segundo todas estas palavras.

13 Pelo que disse Davi aos seus homens: Cada um cinja a sua espada. E cada um cingiu a sua espada, e também Davi, a sua; subiram após Davi uns quatrocentos homens, e duzentos ficaram com a bagagem.

14 Nesse meio tempo, um dentre os moços de Nabal o anunciou a Abigail, mulher deste, dizendo: Davi enviou do deserto mensageiros a saudar a nosso senhor; porém este disparatou com eles.

15 Aqueles homens, porém, nos têm sido muito bons, e nunca fomos agravados por eles e de nenhuma coisa sentimos falta em todos os dias de nosso trato com eles, quando estávamos no campo.

16 De muro em redor nos serviram, tanto de dia como de noite, todos os dias que estivemos com eles apascentando as ovelhas.

17 Agora, pois, considera e vê o que hás de fazer, porque já o mal está, de fato, determinado contra o nosso senhor e contra toda a sua casa; e ele é filho de Belial, e não há quem lhe possa falar.

Abigail apazigua a Davi

18 Então, Abigail tomou, a toda pressa, duzentos pães, dois odres de vinho, cinco ovelhas preparadas, cinco medidas de trigo tostado, cem cachos de passas e

13UDavide wathi kubantu bakhe: Bhincani, kube yilowo nalowo inkemba yakhe. Zabhinca-ke, kwaba yilowo nalowo inkemba yakhe; naye uDavide wabhinca inkemba yakhe; kwakhuphuka emva kukaDavide abantu kungathi abangamakhulu amane, kepha abangamakhulu amabili bahlala empahleni.

14Kodwa enye yezinsizwa yamtshela u-Abigayili umkaNabali, yathi: Bheka, uDavide wathuma izithunywa zivela ehlane ukuba zibingelele inkosi yethu, kepha yazithukuthelela.

15Nokho labo bantu basiphatha kahle, asilimalanga, asilahlekelwanga lutho zonke izinsuku sisahambisana nabo sisendle;

16babe lugange kithi ubusuku nemini, sonke isikhathi sinabo salusa izimvu.

17Ngalokho yazi, ubone ukuthi uyakwenzani, ngokuba okubi sekunqunyelwe inkosi yethu nendlu yayo yonke, lokhu engumuntu omubi kangaka, ukuze umuntu angekhulume naye.

18U-Abigayili wayeseshesha, wathatha izinkwa ezingamakhulu amabili, nezimvaba ezimbili zewayini, nezimvu eziyisihlanu ezilungisiweyo, namaseya ayisihlanu otshwele, nezigaxa eziyikhulu

duzentas pastas de figos, e os pôs sobre jumentos,

[19] e disse aos seus moços: Ide adiante de mim, pois vos seguirei de perto. Porém nada disse ela a seu marido Nabal.
[20] Enquanto ela, cavalgando um jumento, descia, encoberta pelo monte, Davi e seus homens também desciam, e ela se encontrou com eles.
[21] Ora, Davi dissera: Com efeito, de nada me serviu ter guardado tudo quanto este possui no deserto, e de nada sentiu falta de tudo quanto lhe pertence; ele me pagou mal por bem.

[22] Faça Deus o que lhe aprouver aos inimigos de Davi, se eu deixar, ao amanhecer, um só do sexo masculino dentre os seus.

[23] Vendo, pois, Abigail a Davi, apressou-se, desceu do jumento e prostrou-se sobre o rosto diante de Davi, inclinando-se até à terra.

[24] Lançou-se-lhe aos pés e disse: Ah! SENHOR meu, caia a culpa sobre mim; permite falar a tua serva contigo e ouve as palavras da tua serva.

[25] Não se importe o meu senhor com este homem de Belial, a saber, com Nabal; porque o que significa o seu nome ele é. Nabal é o seu nome, e a loucura está com ele; eu, porém, tua serva, não vi os moços de meu senhor, que enviaste.

zezithelo zomvini ezomileyo, nezigaxa ezingamakhulu amabili zamakhiwane, wakubeka ezimbongolweni.
[19]Wathi kuzo izinsizwa: Hambani phambi kwami; bhekani, ngiyanilandela. Kepha akayitshelanga indoda yakhe uNabali.
[20]Kwathi esakhwele imbongolo, esehla endaweni esithekileyo yentaba, bheka, kwehlela kuye uDavide nabantu bakhe, wahlangana nabo.
[21]UDavide wayeshilo ukuthi: Impela ngikugcinele ize konke lowo muntu anakho ehlane ukuba angalahlekelwa lutho lwakho konke okwakhe, ngokuba ungibuyisele okubi ngokuhle.
[22]UNkulunkulu makenze njalo kuzo izitha zikaDavide, enezele futhi, uma ngishiya ngasekuseni kusasa kukho konke okungokwakhe nokukodwa okungokwesilisa.
[23]Lapho u-Abigayili embona uDavide, washesha wehlika embongolweni yakhe, wawa ngobuso phambi kukaDavide, wakhothamela phansi.
[24]Wawa ngasezinyaweni zakhe, wathi: Lobo bubi mabube phezu kwami, nkosi; incekukazi yakho mayikhulume ezindlebeni zakho, uzwe amazwi encekukazi yakho.

[25]Inkosi yami mayinganakekeli lowo muntu omubi uNabali, ngokuba unjengegama lakhe, unjalo yena; nguNabali igama lakhe, nobuwula bukuye; kepha mina ncekukazi yakho

[26] Agora, pois, meu senhor, tão certo como vive o SENHOR e a tua alma, foste pelo SENHOR impedido de derramar sangue e de vingar-te por tuas próprias mãos. Como Nabal, sejam os teus inimigos e os que procuram fazer mal ao meu senhor.

[27] Este é o presente que trouxe a tua serva a meu senhor; seja ele dado aos moços que seguem ao meu senhor.

[28] Perdoa a transgressão da tua serva; pois, de fato, o SENHOR te fará casa firme, porque pelejas as batalhas do SENHOR, e não se ache mal em ti por todos os teus dias.

[29] Se algum homem se levantar para te perseguir e buscar a tua vida, então, a tua vida será atada no feixe dos que vivem com o SENHOR, teu Deus; porém a vida de teus inimigos, este a arrojará como se a atirasse da cavidade de uma funda.

[30] E há de ser que, usando o SENHOR contigo segundo todo o bem que tem dito a teu respeito e te houver estabelecido príncipe sobre Israel,

[31] então, meu senhor, não te será por tropeço, nem por pesar ao coração o sangue que, sem causa, vieres a derramar e o te haveres vingado com as tuas

angizibonanga izinsizwa zenkosi yami owazithumayo.

[26] Ngalokho, nkosi, kuphila kukaJehova nokuphila komphefumulo wakho, njengokuba uJehova ekuvimbele ukungena ecaleni legazi nokuzisindisa ngesandla sakho, ngalokho-ke mazibe njengoNabali izitha zakho nabayifunela inkosi yami ububi.

[27] Manje-ke, lesi sipho esilethwa yincekukazi yakho enkosini yami, masinikwe izinsizwa ezilandela inkosi yami.

[28]Ake uthethelele icala lencekukazi yakho, ngokuba uJehova uyakuyenzela nokuyenzela inkosi yami indlu eqinileyo impela, lokhu inkosi yami ilwa izimpi zikaJehova; ububi abuyikufunyanwa kuwe zonke izinsuku zakho.

[29] Noma kusukuma umuntu ukukuxosha nokufuna ukuphila kwakho, umphefumulo wenkosi yami uyakube uboshiwe emshuqulwini wabaphilayo kuJehova uNkulunkulu wakho; imiphefumulo yezitha zakho uyakuyijikijela kungathi iphakathi kwendwayimana.

[30]Kuyakuthi lapho uJehova esekwenzile enkosini yami njengakho konke okuhle akukhulumileyo ngawe, akubeke ube ngumbusi kwa-Israyeli,

[31]akuyikuba yisikhubekiso kuwe, kungabi nesanya enhliziyweni yenkosi yami ukuthi uchithile igazi ngeze nokuthi inkosi yami izisindisile; kepha lapho uJehova

próprias mãos; quando o SENHOR te houver feito o bem, lembrar-te-ás da tua serva.

eseyenzele inkosi yami okuhle, khumbula incekukazi yakho.

[32] Então, Davi disse a Abigail: Bendito o SENHOR, Deus de Israel, que, hoje, te enviou ao meu encontro.

[32]UDavide wayesethi ku-Abigayili: Makabusiswe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli okuthume namuhla ukungihlangabeza.

[33] Bendita seja a tua prudência, e bendita sejas tu mesma, que hoje me tolheste de derramar sangue e de que por minha própria mão me vingasse.

[33]Futhi makubusiswe ukuhlakanipha kwakho, ubusiswe nawe ongivimbele namuhla ukungena ecaleni legazi nokuzisindisa ngesandla sami.

[34] Porque, tão certo como vive o SENHOR, Deus de Israel, que me impediu de que te fizesse mal, se tu não te apressaras e me não vieras ao encontro, não teria ficado a Nabal, até ao amanhecer, nem um sequer do sexo masculino.

[34]Ngokuba impela, kuphila kukaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ongivimbele ukuze ngingakulimazi, uma ungasheshanga ukuza ukuba ungihlangabeze, impela nga kungasalanga kuNabali ngasekuseni kusasa nokukodwa okungokwesilisa.

[35] Então, Davi recebeu da mão de Abigail o que esta lhe havia trazido e lhe disse: Sobe em paz à tua casa; bem vês que ouvi a tua petição e a ela atendi.

[35] UDavide wayesamukela esandleni sakhe lokho amlethele khona; wathi kuye: Khuphukela endlini yakho ngokuthula; bheka, ngililalele izwi lakho, ngibuvumile ubuso bakho.

A morte de Nabal

[36] Voltou Abigail a Nabal. Eis que ele fazia em casa um banquete, como banquete de rei; o seu coração estava alegre, e ele, já mui embriagado, pelo que não lhe referiu ela coisa alguma, nem pouco nem muito, até ao amanhecer.

[36]U-Abigayili wafika kuNabali; bheka, wayenedili endlini yakhe, linjengedili lenkosi; inhliziyo kaNabali yayithokoza phakathi kwakhe, ngokuba wayephuze kakhulu; ngalokho akamtshelanga lutho oluncane nolukhulu kwaze kwaba sekuseni.

[37] Pela manhã, estando Nabal já livre do vinho, sua mulher lhe deu a entender aquelas coisas; e se amorteceu nele o coração, e ficou ele como pedra.

[37]Kwathi ekuseni, lapho iwayini seliphumile kuNabali, umkakhe wamtshela lezo zinto, inhliziyo yakhe yafa phakathi kwakhe, waba njengetshe.

[38] Passados uns dez dias, feriu o SENHOR a Nabal, e este morreu.

Davi casa com Abigail

[39] Ouvindo Davi que Nabal morrera, disse: Bendito seja o SENHOR, que pleiteou a causa da afronta que recebi de Nabal e me deteve de fazer o mal, fazendo o SENHOR cair o mal de Nabal sobre a sua cabeça. Mandou Davi falar a Abigail que desejava tomá-la por mulher.

[40] Tendo ido os servos de Davi a Abigail, no Carmelo, lhe disseram: Davi nos mandou a ti, para te levar por sua mulher.

[41] Então, ela se levantou, e se inclinou com o rosto em terra, e disse: Eis que a tua serva é criada para lavar os pés aos criados de meu senhor.

[42] Abigail se apressou e, dispondo-se, cavalgou um jumento com as cinco moças que a assistiam; e ela seguiu os mensageiros de Davi, que a recebeu por mulher.

[43] Também tomou Davi a Ainoã de Jezreel, e ambas foram suas mulheres,

[44] porque Saul tinha dado sua filha Mical, mulher de Davi, a Palti, filho de Laís, o qual era de Galim.

1 Samuel 26

Davi, outra vez, poupa a vida de Saul

[1] Vieram os zifeus a Saul, a Gibeá, e disseram: Não se acha Davi escondido no outeiro de Haquila, defronte de Jesimom?

[38]Kwathi emva kwezinsuku eziyishumi uJehova wamshaya uNabali, wafa.

[39]UDavide esezwile ukuthi uNabali ufile, wathi: Makabusiswe uJehova omele indaba yehlazo lami esandleni sikaNabali, ovimbele inceku yakhe ebubini, wabuyisela ububi bukaNabali ekhanda lakhe. UDavide wathumela wakhuluma ku-Abigayili ukuba amthathe abe ngumkakhe.

[40]Izinceku zikaDavide sezifikile ku-Abigayili eKarmeli, zakhuluma kuye, zathi: UDavide usithumile kuwe ukuba akuthathe, ube ngumkakhe.

[41]Wasukuma, wakhothama, ubuso bakhe bubheke phansi, wathi: Bheka, incekukazi yakho mayibe yisigqilakazi sokugeza izinyawo zezinceku zenkosi yami.

[42]U-Abigayili washesha wasuka, wakhwela imbongolo kanye nezintombi zakhe ezazihamba naye; wazilandela izithunywa zikaDavide, waba ngumkakhe.

[43]UDavide wathatha no-Ahinohama waseJizreyeli; baba ngomkakhe bobabili.

[44] Kepha uSawule wayesemnike uPaliti indodana kaLayishi waseGalimi uMikhali indodakazi yakhe.

1 uSamuweli 26

UDavide uyamyeka uSawule ngokwesibili

[1] AbaseZifi beza kuSawule eGibeya, bathi: UDavide akacashi yini entabeni yaseHakhila engaphambi kwehlane na?

[2] Então, Saul se levantou e desceu ao deserto de Zife, e com ele, três mil homens escolhidos de Israel, a buscar a Davi.

[2] USawule wasuka, wehlela ehlane laseZifi enabantu abakhethiweyo bakwa-Israyeli abayizinkulungwane ezintathu ukuba amfune uDavide ehlane.

[3] Acampou-se Saul no outeiro de Haquila, defronte de Jesimom, junto ao caminho; porém Davi ficou no deserto, e, sabendo que Saul vinha para ali à sua procura,

[3]USawule wamisa entabeni yaseHakhila engaphambi kwehlane ngasendleleni. Kepha uDavide wahlala ehlane, wabona ukuthi uSawule uyamlandela ehlane.

[4] enviou espias, e soube que Saul tinha vindo.

[4]UDavide wayesethuma izinhloli, wazi ukuthi uSawule ufikile impela.

[5] Davi se levantou, e veio ao lugar onde Saul acampara, e viu o lugar onde se deitaram Saul e Abner, filho de Ner, comandante do seu exército. Saul estava deitado no acampamento, e o povo, ao redor dele.

[5]UDavide wasuka, weza endaweni uSawule amise kuyo; uDavide wabona indawo uSawule ahlala kuyo, eno-Abineri indodana kaNeri, induna yempi yakhe; uSawule wayelele ezinqoleni, abantu bemise ngakuye nxazonke.

[6] Disse Davi a Aimeleque, o heteu, e a Abisai, filho de Zeruia, irmão de Joabe: Quem descerá comigo a Saul, ao arraial? Respondeu Abisai: Eu descerei contigo.

[6] UDavide wayesethatha washo ku-Ahimeleki umHeti naku-Abishayi indodana kaSeruya, umfowabo kaJowabe, ethi: Ngubani oyakwehla nami ukuya kuSawule ekamu na? U-Abishayi wathi: Ngiyakwehla nawe.

[7] Vieram, pois, Davi e Abisai, de noite, ao povo, e eis que Saul estava deitado, dormindo no acampamento, e a sua lança, fincada na terra à sua cabeceira; Abner e o povo estavam deitados ao redor dele.

[7]ODavide no-Abishayi bafika kubantu ebusuku; bheka, uSawule wayelele ubuthongo ezinqoleni, umkhonto wakhe ugxunyekiwe emhlabathini ngasekhanda lakhe; u-Abineri nabantu bakhe babelele ngakuye nxazonke.

[8] Então, disse Abisai a Davi: Deus te entregou, hoje, nas mãos o teu inimigo; deixa-me, pois, agora, encravá-lo com a lança, ao chão, de um só golpe; não será preciso segundo.

[8] U-Abishayi wathi kuDavide: UNkulunkulu unikele isitha sakho esandleni sakho namuhla; ngalokho mangimgwaze kanye ngomkhonto uze udle umhlabathi, ngingamphindi.

[9] Davi, porém, respondeu a Abisai: Não o mates, pois quem haverá que estenda a

[9]UDavide wathi ku-Abishayi: Ungambulali, ngokuba ngubani

mão contra o ungido do SENHOR e fique inocente?

[10] Acrescentou Davi: Tão certo como vive o SENHOR, este o ferirá, ou o seu dia chegará em que morra, ou em que, descendo à batalha, seja morto.

[11] O SENHOR me guarde de que eu estenda a mão contra o seu ungido; agora, porém, toma a lança que está à sua cabeceira e a bilha da água, e vamo-nos.

[12] Tomou, pois, Davi a lança e a bilha da água da cabeceira de Saul, e foram-se; ninguém o viu, nem o soube, nem se despertou, pois todos dormiam, porquanto, da parte do SENHOR, lhes havia caído profundo sono.

[13] Tendo Davi passado ao outro lado, pôs-se no cimo do monte ao longe, de maneira que entre eles havia grande distância.

[14] Bradou ao povo e a Abner, filho de Ner, dizendo: Não respondes, Abner? Então, Abner acudiu e disse: Quem és tu, que bradas ao rei?

[15] Então, disse Davi a Abner: Porventura, não és homem? E quem há em Israel como tu? Por que, pois, não guardaste o rei, teu senhor? Porque veio um do povo para destruir o rei, teu senhor.

[16] Não é bom isso que fizeste; tão certo como vive o SENHOR, deveis morrer, vós que não guardastes a vosso senhor, o ungido do SENHOR; vede, agora, onde

ongelulela isandla sakhe kogcotshiweyo kaJehova, angabi nacala, na?

[10] UDavide wathi: Kuphila kukaJehova, uJehova uyakumshaya, noma kufika nje usuku lwakhe lokufa, noma ehlela empini, abhubhe.

[11]UJehova makenqabe ukuba ngelulele isandla sami kogcotshiweyo kaJehova; ake uthathe umkhonto ongasekhanda lakhe nesigubhu samanzi, sihambe.

[12]UDavide wayesethatha umkhonto nesigubhu samanzi ngasekhanda likaSawule, bahamba, kungaboni muntu, kungazi muntu, kungavuki muntu, ngokuba babelele bonke, lokhu bebehlelwe ngubuthongo obunzima obuvela kuJehova.

[13]UDavide wayesewelela phesheya, wema esiqongweni sentaba ekude, isikhala esikhulu siphakathi kwabo.

[14]UDavide wabiza abantu no-Abineri indodana kaNeri, ethi: Awusabeli, Abineri, na? U-Abineri wayesesabela ethi: Ungubani wena obiza inkosi na?

[15]UDavide wathi ku-Abineri: Awusiye umuntu okungekho onjengawe kwa-Israyeli na? Awulindanga ngani inkosi yakho, inkosi? Ngokuba kwafika omunye wabantu ukuyobulala inkosi yakho, inkosi.

[16]Akukuhle okwenzileyo. Kuphila kukaJehova, nimelwe ukufa, ngokuba anilindanga inkosi yenu, ogcotshiweyo kaJehova. Manje bhekani ukuthi

está a lança do rei e a bilha da água, que tinha à sua cabeceira.

Saul, outra vez, se reconcilia com Davi

[17] Então, reconheceu Saul a voz de Davi e disse: Não é a tua voz, meu filho Davi? Respondeu Davi: Sim, a minha, ó rei, meu senhor.

[18] Disse mais: Por que persegue o meu senhor assim seu servo? Pois que fiz eu? E que maldade se acha nas minhas mãos?

[19] Ouve, pois, agora, te rogo, ó rei, meu senhor, as palavras de teu servo: se é o SENHOR que te incita contra mim, aceite ele a oferta de manjares; porém, se são os filhos dos homens, malditos sejam perante o SENHOR; pois eles me expulsaram hoje, para que eu não tenha parte na herança do SENHOR, como que dizendo: Vai, serve a outros deuses.

[20] Agora, pois, não se derrame o meu sangue longe desta terra do SENHOR; pois saiu o rei de Israel em busca de uma pulga, como quem persegue uma perdiz nos montes.

[21] Então, disse Saul: Pequei; volta, meu filho Davi, pois não tornarei a fazer-te mal; porque foi, hoje, preciosa a minha vida aos teus olhos. Eis que tenho procedido como louco e errado excessivamente.

[22] Davi, então, respondeu e disse: Eis aqui a lança, ó rei; venha aqui um dos moços e leve-a.

[23] Pague, porém, o SENHOR a cada um a sua justiça e a sua lealdade; pois o SENHOR te havia entregado, hoje, nas

umkhonto wenkosi uphi nesigubhu samanzi esasingasekhanda lakhe.

[17] USawule walazi izwi likaDavide, wathi: Yizwi lakho leli, ndodana yami Davide, na? UDavide wathi: Yizwi lami, nkosi yami, nkosi.

[18]Wathi: Inkosi yami iyixoshelani inceku yayo na? Ngokuba ngenzeni na? Ngububi buni obusesandleni sami na?

[19]Ngalokho mayizwe inkosi yami, inkosi, amazwi enceku yayo. Uma nguJehova okuncokoloza ngami, makamukele umnikelo, kepha uma kungabantwana babantu, mabaqalekiswe phambi kukaJehova, ngokuba bangixoshile namuhla ukuba ngingazihlanganisi nefa likaJehova, bethi: Hamba ukhonze abanye onkulunkulu.

[20] Ngalokho igazi lami malingaweli emhlabathini ngikude noJehova, ngokuba inkosi yakwa-Israyeli iphumele ukufuna intwakumba eyodwa, njengalokhu kuzingelwa intendele ezintabeni.

[21] USawule wathi: Ngonile; buya, ndodana yami Davide, ngokuba angisayikukulimaza, lokhu ukuphila kwami bekuyigugu emehlweni akho namuhla; bheka, ngenze okwesiwula, ngidukile kakhulu.

[22]UDavide waphendula wathi: Bheka, umkhonto, nkosi! Makuwele enye yezinsizwa, iwulande.

[23]UJehova uyakuphindisela, kube yilowo nalowo ngokulunga kwakhe nangokuthembeka kwakhe, lokhu

minhas mãos, porém eu não quis estendê-las contra o ungido do SENHOR.

[24] Assim como foi a tua vida, hoje, de muita estima aos meus olhos, assim também seja a minha aos olhos do SENHOR, e ele me livre de toda tribulação.

[25] Então, Saul disse a Davi: Bendito sejas tu, meu filho Davi; pois grandes coisas farás e, de fato, prevalecerás. Então, Davi continuou o seu caminho, e Saul voltou para o seu lugar.

uJehova ekunikele esandleni sami namuhla, angavuma ukwelulela isandla sami kogcotshiweyo kaJehova.

[24]Futhi bheka, njengalokho ukuphila kwakho kwakukukhulu ngalolo suku emehlweni ami, ukuphila kwami makube kukhulu emehlweni kaJehova, yena angophule ekuhluphekeni konke.

[25]USawule wathi kuDavide: Mawubusiswe wena ndodana yami Davide; uyakwenza izinto ezinkulu, uphumelele kahle. Wayesehamba uDavide ngendlela yakhe, uSawule wabuyela endaweni yakhe.

1 Samuel 27

Davi, outra vez, com Aquis, rei de Gate

[1] Disse, porém, Davi consigo mesmo: Pode ser que algum dia venha eu a perecer nas mãos de Saul; nada há, pois, melhor para mim do que fugir para a terra dos filisteus; para que Saul perca de todo as esperanças e deixe de perseguir-me por todos os limites de Israel; assim, me livrarei da sua mão.

[2] Dispôs-se Davi e, com os seiscentos homens que com ele estavam, passou a Aquis, filho de Maoque, rei de Gate.

[3] Habitou Davi com Aquis em Gate, ele e os seus homens, cada um com a sua família; Davi, com ambas as suas mulheres, Ainoã, a jezreelita, e Abigail, a viúva de Nabal, o carmelita.

[4] Avisado Saul de que Davi tinha fugido para Gate, desistiu de o perseguir.

1 uSamuweli 27

UDavide useGati naseSikilagi

[1]UDavide wathi enhliziyweni yakhe: Ngiyakubhubha ngelinye ilanga ngesandla sikaSawule; akukho okungcono kimi kunokuba ngibaleke, ngiye ezweni lamaFilisti; uSawule uyakungiyeka, angabe esangifuna emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli, ngiphunyuke esandleni sakhe.

[2] Wayesesuka uDavide, wawela, yena nabantu abangamakhulu ayisithupha ababe naye, waya ku-Akhishi indodana kaMahoki, inkosi yaseGati.

[3] UDavide wahlala no-Akhishi eGati, yena nabantu bakhe, kwaba yilowo nalowo nomuzi wakhe, uDavide enawomkakhe bobabili, o-Ahinohama waseJizreyeli no-Abigayili waseKarmeli umkaNabali.

[4]Kwabikwa kuSawule ukuthi uDavide ubalekele eGati; akabe esamfuna futhi.

[5] Disse Davi a Aquis: Se achei mercê na tua presença, dá-me lugar numa das cidades da terra, para que ali habite; por que há de habitar o teu servo contigo na cidade real?

[6] Então, lhe deu Aquis, naquele dia, a cidade de Ziclague. Pelo que Ziclague pertence aos reis de Judá, até ao dia de hoje.

[7] E todo o tempo que Davi permaneceu na terra dos filisteus foi um ano e quatro meses.

[8] Subia Davi com os seus homens, e davam contra os gesuritas, os gersitas e os amalequitas; porque eram estes os moradores da terra desde Telã, na direção de Sur, até à terra do Egito.

[9] Davi feria aquela terra, e não deixava com vida nem homem nem mulher, e tomava as ovelhas, e os bois, e os jumentos, e os camelos, e as vestes; voltava e vinha a Aquis.

[10] E perguntando Aquis: Contra quem deste hoje? Davi respondia: Contra o Sul de Judá, e o Sul dos jerameelitas, e o Sul dos queneus.

[11] Davi não deixava com vida nem homem nem mulher, para os trazer a Gate, pois dizia: Para que não nos denunciem, dizendo: Assim Davi o fazia. Este era o seu proceder por todos os dias que habitou na terra dos filisteus.

[5]UDavide wathi ku-Akhishi: Uma ngifumene umusa emehlweni akho, mabanginike indawo komunye wemizi yasemaphandleni ukuba ngihlale khona, ngokuba inceku yakho izakuhlalelani nawe emzini wenkosi na?

[6]U-Akhishi wamnika iSikilagi ngalolo suku; ngalokho iSikilagi lingelamakhosi kuze kube namuhla.

[7] Umumo wezinsuku zokuhlala kukaDavide ezweni lamaFilisti wawungumnyaka nezinyanga ezine.

[8] UDavide nabantu bakhe benyuka, bangenela amaGeshuri, namaGirizi, nama-Amaleki, ngokuba lawo ayakhe kulelo zwe kwasendulo ekuyiweni eShuri kuze kube sezweni laseGibithe.

[9] UDavide walichitha izwe, akashiyanga muntu ephilile, owesilisa nowesifazane, wathatha izimvu, nezinkabi, nezimbongolo, namakamela, nezingubo, wabuya, wafika ku-Akhishi.

[10] U-Akhishi wathi: Ningenelephi namuhla na? UDavide wathi: Bekuseningizimu kwaJuda, naseningizimu kwamaJerameli, naseningizimu kwamaKheni.

[11]UDavide akashiyanga owesilisa nowesifazane ephilile ukubayisa eGati, ethi: Funa basicebe ngokuthi: Wenze njalo uDavide. Yayinjalo indlela yakhe zonke izinsuku ehlezi ezweni lamaFilisti.

[12] Aquis confiava em Davi, dizendo: Fez-se ele, por certo, aborrecível para com o seu povo em Israel; pelo que me será por servo para sempre.

[12]U-Akhishi wakholwa nguDavide, wathi: Wenze ukuba anengwe nokunengwa ngabantu bakhe abakwa-Israyeli; ngalokho uyakuba yinceku yami kuze kube nini.

1 Samuel 28

Saul consulta a médium de En-Dor

[1] Sucedeu, naqueles dias, que, juntando os filisteus os seus exércitos para a peleja, para fazer guerra contra Israel, disse Aquis a Davi: Fica sabendo que comigo sairás à peleja, tu e os teus homens.

[2] Então, disse Davi a Aquis: Assim saberás quanto pode o teu servo fazer. Disse Aquis a Davi: Por isso, te farei minha guarda pessoal para sempre.

[3] Já Samuel era morto, e todo o Israel o tinha chorado e o tinha sepultado em Ramá, que era a sua cidade; Saul havia desterrado os médiuns e os adivinhos.

[4] Ajuntaram-se os filisteus e vieram acampar-se em Suném; ajuntou Saul a todo o Israel, e se acamparam em Gilboa.

[5] Vendo Saul o acampamento dos filisteus, foi tomado de medo, e muito se estremeceu o seu coração.

[6] Consultou Saul ao SENHOR, porém o SENHOR não lhe respondeu, nem por sonhos, nem por Urim, nem por profetas.

[7] Então, disse Saul aos seus servos: Apontai-me uma mulher que seja médium,

1 uSamuweli 28

UDavide usempini yamaFilisti

[1]Kwathi ngalezo zinsuku amaFilisti abutha amabutho awo ukuba aphume impi no-Israyeli. U-Akhishi wathi kuDavide: Yazi nokwazi ukuthi uyakuphuma impi nami, wena nabantu bakho.

[2]UDavide wathi ku-Akhishi: Ngalokho uyakwazi ukuthi inceku yakho iyakwenzani. U-Akhishi wathi kuDavide: Ngalokho ngiyakukubeka ube ngumlindi wekhanda lami kuze kube nini.

USawule uya konedlozi e-Eni Dori

[3] USamuweli wayesefile; wonke u-Israyeli wamkhalela, wammbela eRama umuzi wakhe. USawule wayexoshile ezweni abanamadlozi phakathi kwabo nabathakathi.

[4]AmaFilisti abuthana afika, amisa eShunemi; uSawule wabutha wonke u-Israyeli, wamisa eGilibowa.

[5]Lapho uSawule ebona impi yamaFilisti, wesaba, inhliziyo yakhe yathuthumela kakhulu.

[6] USawule wabuza kuJehova; uJehova akamphendulanga nangamaphupho, nange-Urimi, nangabaprofethi.

[7]Wayesethi uSawule kuzo izinceku zakhe: Ngifuneleni owesifazane onedlozi ukuba

para que me encontre com ela e a consulte. Disseram-lhe os seus servos: Há uma mulher em En-Dor que é médium.

ngiye kuye, ngibuze kuye. Izinceku zakhe zathi kuye: Bheka, kukhona owesifazane onedlozi e-Eni Dori.

8 Saul disfarçou-se, vestiu outras roupas e se foi, e com ele, dois homens, e, de noite, chegaram à mulher; e lhe disse: Peço-te que me adivinhes pela necromancia e me faças subir aquele que eu te disser.

8USawule waziguqula, wembatha ezinye izingubo, wahamba yena nabantu ababili benaye, bafika kowesifazane ebusuku, wathi: Ake ungibhulele ngedlozi, ungenyusele engiyakumusho kuwe.

9 Respondeu-lhe a mulher: Bem sabes o que fez Saul, como eliminou da terra os médiuns e adivinhos; por que, pois, me armas cilada à minha vida, para me matares?

9Owesifazane wathi kuye: Bheka, uyazi ukuthi uSawule wenzeni, ukuba unqumile ezweni abanamadlozi phakathi kwabo nabathakathi; ngalokho ungibekelelani ugibe ukuba ungibulale na?

10 Então, Saul lhe jurou pelo SENHOR, dizendo: Tão certo como vive o SENHOR, nenhum castigo te sobrevirá por isso.

10USawule wafunga uJehova kuye owesifazane, wathi: Kuphila kukaJehova, awuyikwehlelwa cala ngalokho.

11 Então, lhe disse a mulher: Quem te farei subir? Respondeu ele: Faze-me subir Samuel.

11Wayesethi owesifazane: Ngiyakukwenyusela bani na? Wathi: Ngenyusele uSamuweli.

12 Vendo a mulher a Samuel, gritou em alta voz; e a mulher disse a Saul: Por que me enganaste? Pois tu mesmo és Saul.

12Lapho owesifazane embona uSamuweli, wamemeza ngezwi elikhulu; owesifazane wakhuluma noSawule, wathi: Ungikhohliseleni na? Ngokuba unguSawule.

13 Respondeu-lhe o rei: Não temas; que vês? Então, a mulher respondeu a Saul: Vejo um deus que sobe da terra.

13Inkosi yayisithi kuye: Ungesabi; ubonani na? Owesifazane wathi kuSawule: Ngibona unkulunkulu ephuma emhlabathini.

14 Perguntou ele: Como é a sua figura? Respondeu ela: Vem subindo um ancião e está envolto numa capa. Entendendo Saul que era Samuel, inclinou-se com o rosto em terra e se prostrou.

14Wathi kuye: Unesimo sini na? Wathi: Kukhuphuka ixhegu limboziwe ngengubo. USawule wabona ukuthi kunguSamuweli, wakhothamela phansi ngobuso, wakhuleka.

15 Samuel disse a Saul: Por que me inquietaste, fazendo-me subir? Então,

15 USamuweli wathi kuSawule: Unginyakaziselani ukuba ungenyuse na?

disse Saul: Mui angustiado estou, porque os filisteus guerreiam contra mim, e Deus se desviou de mim e já não me responde, nem pelo ministério dos profetas, nem por sonhos; por isso, te chamei para que me reveles o que devo fazer.

USawule waphendula wathi: Ngihluphekile kakhulu, ngokuba amaFilisti ayalwa nami; uNkulunkulu ungishiyile, akasangiphenduli nangabaprofethi nangamaphupho; ngalokho ngikubizele ukuba ungazise ukuthi ngiyakwenze njani.

16 Então, disse Samuel: Por que, pois, a mim me perguntas, visto que o SENHOR te desamparou e se fez teu inimigo?

16 USamuweli wathi: Pho, ubuzelani kimi, lokhu uJehova esesukile kuwe, waba yisitha sakho, na?

17 Porque o SENHOR fez para contigo como, por meu intermédio, ele te dissera; tirou o reino da tua mão e o deu ao teu companheiro Davi.

17 UJehova wenzile ngokwakhe, njengalokho akhuluma ngami: uJehova ukwaphucile umbuso esandleni sakho, wawunika umakhelwane wakho uDavide.

18 Como tu não deste ouvidos à voz do SENHOR e não executaste o que ele, no furor da sua ira, ordenou contra Amaleque, por isso, o SENHOR te fez, hoje, isto.

18 Ngokuba awulalelanga izwi likaJehova, awenzanga ulaka lwakhe olushisayo phezu kwama-Amaleki; ngalokho uJehova wenzile lokhu kuwe namuhla.

19 O SENHOR entregará também a Israel contigo nas mãos dos filisteus, e, amanhã, tu e teus filhos estareis comigo; e o acampamento de Israel o SENHOR entregará nas mãos dos filisteus.

19Futhi uJehova uyakunikela u-Israyeli kanye nawe esandleni samaFilisti; kusasa wena namadodana akho niyakuba nami; uJehova uyakunikela nempi yabakwa-Israyeli esandleni samaFilisti.

20 De súbito, caiu Saul estendido por terra e foi tomado de grande medo por causa das palavras de Samuel; e faltavam-lhe as forças, porque não comera pão todo aquele dia e toda aquela noite.

20USawule wayesewela phansi ngekhanda, wesaba kakhulu ngenxa yamazwi kaSamuweli, akwabakho mandla kuye, ngokuba akadlanga lutho ngosuku lonke nobusuku bonke.

21 Aproximou-se de Saul a mulher e, vendo-o assaz perturbado, disse-lhe: Eis que a tua serva deu ouvidos à tua voz, e, arriscando a minha vida, atendi às palavras que me falaste.

21 Owesifazane wafika kuSawule, wabona ukuthi wesaba kakhulu, wathi kuye: Bheka, incekukazi yakho ililalele izwi lakho, ngibekile ukuphila kwami esandleni sami; ngalalela amazwi akho owawakhuluma kimi.

[22] Agora, pois, ouve também tu as palavras da tua serva e permite que eu ponha um bocado de pão diante de ti; come, para que tenhas forças e te ponhas a caminho.

[23] Porém ele o recusou e disse: Não comerei. Mas os seus servos e a mulher o constrangeram; e atendeu. Levantou-se do chão e se assentou no leito.

[24] Tinha a mulher em casa um bezerro cevado; apressou-se e matou-o, e, tomando farinha, a amassou, e a cozeu em bolos asmos.

[25] E os trouxe diante de Saul e de seus servos, e comeram. Depois, se levantaram e se foram naquela mesma noite.

[22]Ngalokho mawulilalele izwi lencekukazi yakho, ngibeke ucezu lwesinkwa phambi kwakho; yidla ukuba uthole amandla, nxa uhamba indlela yakho.

[23]Kepha wala wathi: Angiyikudla. Kodwa zamcindezela izinceku zakhe kanye nowesifazane, walilalela izwi labo. Wayesevuka emhlabathini, wahlala embhedeni.

[24]Owesifazane wayenethole elikhuluphalisiweyo endlini; washesha walibulala; wathatha impuphu, wayixova, wenza isinkwa esingenamvubelo ngayo,

[25]wasiletha phambi kukaSawule naphambi kwezinceku zakhe, badla. Base besuka bahamba ngalobo busuku.

1 Samuel 29

Os filisteus desconfiam de Davi

[1] Ajuntaram os filisteus todos os seus exércitos em Afeca, e acamparam-se os israelitas junto à fonte que está em Jezreel.

[2] Os príncipes dos filisteus se foram para lá com centenas e com milhares; e Davi e seus homens iam com Aquis, na retaguarda.

[3] Disseram, então, os príncipes dos filisteus: Estes hebreus, que fazem aqui? Respondeu Aquis aos príncipes dos filisteus: Não é este Davi, o servo de Saul, rei de Israel, que esteve comigo há muitos dias ou anos? E coisa nenhuma achei contra ele desde o dia em que, tendo desertado, passou para mim, até ao dia de hoje.

1 uSamuweli 29

UDavide uxoshwa yizikhulu zamaFilisti

[1] AmaFilisti abutha zonke izimpi zawo e-Afeki; abakwa-Israyeli bamisa ngasemthonjeni oseJizreyeli.

[2]Amakhosi amaFilisti adlula ngamakhulu nangezinkulungwane; uDavide nabantu bakhe badlula emuva kanye no-Akhishi.

[3] Zase zithi izikhulu zamaFilisti: Ayini lawa maHeberu na? U-Akhishi wathi kuzo izikhulu zamaFilisti: Akusiye uDavide inceku kaSawule inkosi yakwa-Israyeli okade enami kulezi zinsuku nakule minyaka na? Angifumananga lutho kuye selokhu ahlubuka weza kimi kuze kube namuhla.

[4] Porém os príncipes dos filisteus muito se indignaram contra ele; e lhe disseram: Faze voltar este homem, para que torne ao lugar que lhe designaste e não desça conosco à batalha, para que não se faça nosso adversário no combate; pois de que outro modo se reconciliaria como o seu senhor? Não seria, porventura, com as cabeças destes homens?

[5] Não é este aquele Davi, de quem uns aos outros respondiam nas danças, dizendo: Saul feriu os seus milhares, porém Davi, os seus dez milhares?

[6] Então, Aquis chamou a Davi e lhe disse: Tão certo como vive o SENHOR, tu és reto, e me parece bem que tomes parte comigo nesta campanha; porque nenhum mal tenho achado em ti, desde o dia em que passaste para mim até ao dia de hoje; porém aos príncipes não agradas.

[7] Volta, pois, agora, e volta em paz, para que não desagrades aos príncipes dos filisteus.

[8] Então, Davi disse a Aquis: Porém que fiz eu? Ou que achaste no teu servo, desde o dia em que entrei para o teu serviço até hoje, para que não vá pelejar contra os inimigos do rei, meu senhor?

[9] Respondeu, porém, Aquis e disse a Davi: Bem o sei; e que, na verdade, aos meus olhos és bom como um anjo de Deus; porém os príncipes dos filisteus disseram: Não suba este conosco à batalha.

[4] Kepha izikhulu zamaFilisti zamthukuthelela; izikhulu zamaFilisti zathi kuye: Buyisa lowo muntu ukuba abuyele endaweni yakhe ommise kuyo, angehleli nathi empini, funa abe yisitha sethu empini, ngokuba lona ubeyakuyigculisa ngani inkosi yakhe kungengamakhanda alawo madoda na?

[5] Lona akasiye uDavide ababehlabelela ngaye, besina bethi: USawule ubulele izinkulungwane zakhe, kepha uDavide izinkulungwane zakhe eziyishumi na?

[6]U-Akhishi wambiza uDavide, wathi kuye: Kuphila kukaJehova, wena uqotho; ukuphuma kwakho nokungena kwakho nami empini kuhle emehlweni ami, ngokuba angifumananaga bubi kuwe kusukela osukwini lokufika kwakho kimi kuze kube namuhla; nokho emehlweni amakhosi awumuhle.

[7]Ngalokho buya, uhambe ngokuthula, ungenzi okubi emehlweni amakhosi amaFilisti.

[8]UDavide wathi ku-Akhishi: Kepha ngenzeni na? Ufumeneni encekwini yakho, kusukela osukwini engaba phambi kwakho ngalo kuze kube namuhla, ukuba ngingayi ukulwa nezitha zenkosi yami, inkosi, na?

[9]U-Akhishi waphendula, wathi kuDavide: Ngiyazi ukuthi umuhle emehlweni ami njengengelosi kaNkulunkulu, nokho izikhulu zamaFilisti zishilo ukuthi: Akayikukhuphuka, aye nathi empini.

[10] Levanta-te, pois, amanhã de madrugada com os teus servos, que vieram contigo; e, levantando-vos, logo que haja luz, parti.

[11] Então, Davi de madrugada se levantou, ele e os seus homens, para partirem e voltarem à terra dos filisteus. Os filisteus, porém, subiram a Jezreel.

1 Samuel 30

Ziclague é saqueada pelos amalequitas

[1] Sucedeu, pois, que, chegando Davi e os seus homens, ao terceiro dia, a Ziclague, já os amalequitas tinham dado com ímpeto contra o Sul e Ziclague e a esta, ferido e queimado;

[2] tinham levado cativas as mulheres que lá se achavam, porém a ninguém mataram, nem pequenos nem grandes; tão-somente os levaram consigo e foram seu caminho.

[3] Davi e os seus homens vieram à cidade, e ei-la queimada, e suas mulheres, seus filhos e suas filhas eram levados cativos.

[4] Então, Davi e o povo que se achava com ele ergueram a voz e choraram, até não terem mais forças para chorar.

[5] Também as duas mulheres de Davi foram levadas cativas: Ainoã, a jezreelita, e Abigail, a viúva de Nabal, o carmelita.

[6] Davi muito se angustiou, pois o povo falava de apedrejá-lo, porque todos estavam em amargura, cada um por causa de seus filhos e de suas filhas; porém Davi se reanimou no SENHOR, seu Deus.

[10]Ngalokho vuka ekuseni kusasa kanye nezinceku zenkosi yakho ezifike nawe; senivukile ekuseni kusasa, sekukhanya, hambani.

[11]UDavide wavuka ekuseni, yena nabantu bakhe, ukuba bahambe ekuseni, babuyele ezweni lamaFilisti. AmaFilisti enyukela eJizreyeli.

1 uSamuweli 30

Ukuchithwa kweSikilagi

[1] Kwathi uDavide nabantu bakhe sebefikile eSikilagi ngosuku lwesithathu, ama-Amaleki ayengenele eNingizimu naseSikilagi, alichitha iSikilagi, alishisa ngomlilo,

[2]athumba abesifazane ababe phakathi, abancane nabakhulu engabulalanga muntu, abamukisa, ahamba indlela yawo.

[3]Lapho uDavide nabantu bakhe befika emzini, bheka, wawushisiwe ngomlilo; omkabo, namadodana abo, namadodakazi abo babethunjiwe.

[4]UDavide nabantu ababe naye base bedazuluka, bekhala, baze bangabe besaba namandla okukhala.

[5] NawomkaDavide bobabili babethunjiwe, o-Ahinohama waseJizreyeli no-Abigayili umkaNabali waseKarmeli.

[6]UDavide wayehlupheka kakhulu, ngokuba abantu bekhuluma ngokumkhanda ngamatshe, lokhu izinhliziyo zabo bonke abantu zazinomunyu, kwaba yilowo nalowo ngenxa yamadodana akhe namadodakazi

Davi livra os cativos

[7] Disse Davi a Abiatar, o sacerdote, filho de Aimeleque: Traze-me aqui a estola sacerdotal. E Abiatar a trouxe a Davi.

[8] Então, consultou Davi ao SENHOR, dizendo: Perseguirei eu o bando? Alcançá-lo-ei? Respondeu-lhe o SENHOR: Persegue-o, porque, de fato, o alcançarás e tudo libertarás.

[9] Partiu, pois, Davi, ele e os seiscentos homens que com ele se achavam, e chegaram ao ribeiro de Besor, onde os retardatários ficaram.

[10] Davi, porém, e quatrocentos homens continuaram a perseguição, pois que duzentos ficaram atrás, por não poderem, de cansados que estavam, passar o ribeiro de Besor.

[11] Acharam no campo um homem egípcio e o trouxeram a Davi; deram-lhe pão, e comeu, e deram-lhe a beber água.

[12] Deram-lhe também um pedaço de pasta de figos secos e dois cachos de passas, e comeu; recobrou, então, o alento, pois havia três dias e três noites que não comia pão, nem bebia água.

[13] Então, lhe perguntou Davi: De quem és tu e de onde vens? Respondeu o moço egípcio: Sou servo de um amalequita, e meu senhor me deixou aqui, porque adoeci há três dias.

akhe; kepha uDavide waziqinisa kuJehova uNkulunkulu wakhe.

[7] UDavide wathi ku-Abiyathara umpristi, indodana ka-Ahimeleki: Ake ulethe kimi ingubo yamahlombe. U-Abiyathara wayiletha ingubo yamahlombe kuDavide.

[8] UDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngixoshe lelo viyo na? Ngingalifica na? Wamphendula wathi: Xosha, ngokuba uyakulifica impela, ukhulule konke.

[9]Wayesehamba uDavide, yena nabantu abangamakhulu ayisithupha ababe naye, wafika emfudlaneni iBesori, lapho kwahlala khona amasalela.

[10]Kodwa UDavide waxosha, yena nabantu abangamakhulu amane, ngokuba abangamakhulu amabili basala emuva, bezukekile ukuze bangaweli umfudlana iBesori.

[11]Bafumana owaseGibithe endle, bamyisa kuDavide, bamnika isinkwa, wadla; bamphuzisa amanzi;

[12]bamnika nocezu lwesigaxa samakhiwane, nezigaxa ezimbili zezithelo zomvini ezomileyo; esedlile kwabuyela kuye umoya wakhe, ngokuba wayengadlanga sinkwa, engaphuzanga manzi, izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

[13]UDavide wathi kuye: Ungokabani na? Uvelaphi na? Wathi: Ngiyinsizwa yaseGibithe, inceku yomAmaleki, kepha inkosi yami yangishiya, ngokuba sekuyizinsuku ezintathu ngigula.

[14] Nós demos com ímpeto contra o lado sul dos queretitas, contra o território de Judá e contra o lado sul de Calebe e pusemos fogo em Ziclague.

[15] Disse-lhe Davi: Poderias, descendo, guiar-me a esse bando? Respondeu-lhe: Jura-me, por Deus, que me não matarás, nem me entregarás nas mãos de meu senhor, e descerei e te guiarei a esse bando.

[16] E, descendo, o guiou. Eis que estavam espalhados sobre toda a região, comendo, bebendo e fazendo festa por todo aquele grande despojo que tomaram da terra dos filisteus e da terra de Judá.

[17] Feriu-os Davi, desde o crepúsculo vespertino até à tarde do dia seguinte, e nenhum deles escapou, senão só quatrocentos moços que, montados em camelos, fugiram.

[18] Assim, Davi salvou tudo quanto haviam tomado os amalequitas; também salvou as suas duas mulheres.

[19] Não lhes faltou coisa alguma, nem pequena nem grande, nem os filhos, nem as filhas, nem o despojo, nada do que lhes haviam tomado: tudo Davi tornou a trazer.

[20] Também tomou Davi todas as ovelhas e o gado, e o levaram diante de Davi e diziam: Este é o despojo de Davi.

Davi estabelece a lei da divisão da presa

[21] Chegando Davi aos duzentos homens que, de cansados que estavam, não o puderam seguir e ficaram no ribeiro de Besor, estes saíram ao encontro de Davi e

[14] Sangenela ngaseningizimu yamaKhereti, nakwelakwaJuda, naseningizimu kaKalebi, salishisa iSikilagi ngomlilo.

[15]UDavide wathi kuye: Ungangehlisela kulelo viyo na? Wathi: Funga kimi uNkulunkulu ukuthi awuyikungibulala, unganginikeli ezandleni zenkosi yami, ngiyakukwehlisela kulelo viyo.

[16]Wayesemehlisa; bheka, babehlakazekile endaweni yonke, bedla, bephuza, besina phakathi kwayo yonke impango ababeyithathile ezweni lamaFilisti nasezweni lakwaJuda.

[17]UDavide wababulala kusukela ekuhweleleni kuze kuhlwe ngangomuso, akwaphunyuka muntu kubo, kuphela izinsizwa ezingamakhulu amane ezazikhwela amakamela, zabaleka.

[18]UDavide wakhulula konke okwakuthathwe ngama-Amaleki, uDavide wakhulula nawomkakhe bobabili.

[19]Akwasilala muntu, omncane noma omkhulu, namadodana noma amadodakazi, nempango noma okunye ababezithathele khona; uDavide wabuyisa konke.

[20]UDavide wathatha zonke izimvu nezinkomo; baziqhuba phambi kwakhe, bathi: Yimpango kaDavide le.

[21]UDavide wafika kulabo bantu abangamakhulu amabili ababezukekile, bengenakumlandela uDavide, ababebahlalisile ngasemfudlaneni iBesori;

do povo que com ele vinha; Davi, aproximando-se destes, os saudou cordialmente.

[22] Então, todos os maus e filhos de Belial, dentre os homens que tinham ido com Davi, responderam e disseram: Visto que não foram conosco, não lhes daremos do despojo que salvamos; cada um, porém, leve sua mulher e seus filhos e se vá embora.

[23] Porém Davi disse: Não fareis assim, irmãos meus, com o que nos deu o SENHOR, que nos guardou e entregou às nossas mãos o bando que contra nós vinha.

[24] Quem vos daria ouvidos nisso? Porque qual é a parte dos que desceram à peleja, tal será a parte dos que ficaram com a bagagem; receberão partes iguais.

[25] E assim, desde aquele dia em diante, foi isso estabelecido por estatuto e direito em Israel, até ao dia de hoje.

[26] Chegando Davi a Ziclague, enviou do despojo aos anciãos de Judá, seus amigos, dizendo: Eis para vós outros um presente do despojo dos inimigos do SENHOR:

[27] aos de Betel, aos de Ramote do Neguebe, aos de Jatir,

[28] aos de Aroer, aos de Sifmote, aos de Estemoa,

baphuma ukumhlangabeza uDavide nokuhlangabeza abantu ababenaye; uDavide esesondela kubantu wababingelela.

[22]Base bethatha bonke abantu ababi nabonakeleyo kulabo ababehamba noDavide, bathi: Njengokuba bengahambanga nathi, asiyikubanika lutho empangweni esiyikhululile, kuphela ukuba yileyo naleyo ndoda inikwe umkayo nabantwana bayo, bamuke nabo, bahambe.

[23]Wayesethi uDavide: Aniyikwenza kanjalo, bafowethu, ngalokho esikuphiwe nguJehova osilondolozile, wanikela esandleni sethu iviyo elasihlasela.

[24] Ngubani oyakunilalela kule ndaba na? Ngokuba njengesabelo sowehlele empini siyakuba njalo isabelo salowo owasala nempahla; bayakwabelwa ngokulingeneyo.

[25]Kwaba njalo kusukela kulolo suku kuya phambili; wamisa isimiso nomthetho kwa-Israyeli kuze kube namuhla.

[26]UDavide esefike eSikilagi wathuma enye impango kumalunga akwaJuda nakubo abangane bakhe, ethi: Bhekani, naso isipho senu sempango yezitha zikaJehova:

[27]kwabaseBethele, nakwabaseRamoti laseNingizimu, nakwabaseJatiri,

[28]nakwabase-Aroweri, nakwabaseSifimoti, nakwabase-Eshitemowa,

[29] aos de Racal, aos que estavam nas cidades dos jerameelitas e nas cidades dos queneus,

[30] aos de Horma, aos de Borasã, aos de Atace,

[31] aos de Hebrom e a todos os lugares em que andara Davi, ele e os seus homens.

[29]nakwabaseRakali, nakwabasemizini yamaJerameli, nakwabasemizini yamaKheni,

[30]nakwabaseHorma, nakwabaseBori Ashani, nakwabase-Athaki,

[31]nakwabaseHebroni, nasezindaweni zonke lapho uDavide uqobo nabantu bakhe bebejwayele ukuhamba khona.

1 Samuel 31

A derrota de Israel e a morte de Saul

1 Crônicas 10.1-7

[1] Entretanto, os filisteus pelejaram contra Israel, e, tendo os homens de Israel fugido de diante dos filisteus, caíram feridos no monte Gilboa.

[2] Os filisteus apertaram com Saul e seus filhos e mataram Jônatas, Abinadabe e Malquisua, filhos de Saul.

[3] Agravou-se a peleja contra Saul; os flecheiros o avistaram, e ele muito os temeu.

[4] Então, disse Saul ao seu escudeiro: Arranca a tua espada e atravessa-me com ela, para que, porventura, não venham estes incircuncisos, e me traspassem, e escarneçam de mim. Porém o seu escudeiro não o quis, porque temia muito; então, Saul tomou da espada e se lançou sobre ela.

[5] Vendo, pois, o seu escudeiro que Saul já era morto, também ele se lançou sobre a sua espada e morreu com ele.

1 uSamuweli 31

USawule namadodana akhe bayalwa namaFilisti; ukumbelwa kwabo

[1] AmaFilisti alwa no-Israyeli; abantu bakwa-Israyeli babaleka phambi kwamaFilisti, bawa begwaziwe entabeni yaseGilibowa.

[2] AmaFilisti axosha uSawule namadodana akhe; amaFilisti abulala oJonathani, no-Abinadaba, noMaliki Shuwa, amadodana kaSawule.

[3]Impi yaba nzima kuSawule; abacibishelayo bamfica, wakhathazeka kakhulu ngenxa yabacibishelayo.

[4] USawule wayesethi odibini lwezikhali zakhe: Hosha inkemba yakho, ungigwaze ngayo, funa labo abangasokile bafike, bangigwaze, bangone. Kepha aluvumanga udibi lwezikhali zakhe, ngokuba lwesaba kakhulu. Ngalokho uSawule wayithatha inkemba, wawela phezu kwayo.

[5]Udibi lwezikhali zakhe selubonile ukuthi uSawule ufile, lwawela nalo phezu kwenkemba yalo, lwafa kanye naye.

[6] Morreu, pois, Saul, e seus três filhos, e o seu escudeiro, e também todos os seus homens foram mortos naquele dia com ele.

[7] Vendo os homens de Israel que estavam deste lado do vale e daquém do Jordão que os homens de Israel fugiram e que Saul e seus filhos estavam mortos, desampararam as cidades e fugiram; e vieram os filisteus e habitaram nelas.

A sepultura de Saul
1 Crônicas 10.8-12

[8] Sucedeu, pois, que, vindo os filisteus ao outro dia a despojar os mortos, acharam Saul e seus três filhos caídos no monte Gilboa.

[9] Cortaram a cabeça a Saul e o despojaram das suas armas; enviaram mensageiros pela terra dos filisteus, em redor, a levar as boas-novas à casa dos seus ídolos e entre o povo.

[10] Puseram as armas de Saul no templo de Astarote e o seu corpo afixaram no muro de Bete-Seã.

[11] Então, ouvindo isto os moradores de Jabes-Gileade, o que os filisteus fizeram a Saul,

[12] todos os homens valentes se levantaram, e caminharam toda a noite, e tiraram o corpo de Saul e os corpos de seus filhos do muro de Bete-Seã, e, vindo a Jabes, os queimaram.

[13] Tomaram-lhes os ossos, e os sepultaram debaixo de um arvoredo, em Jabes, e jejuaram sete dias.

[6]Wafa-ke uSawule namadodana akhe omathathu, nodibi lwakhe, nabo bonke abantu bakhe ngalolo suku kanyekanye.

[7]Lapho abantu bakwa-Israyeli ababe ngaphesheya kwesigodi nalabo ababe ngaphesheya kweJordani bebona ukuthi abantu bakwa-Israyeli babaleka nokuthi uSawule namadodana akhe bafile, bashiya imizi, babaleka; amaFilisti afika, ahlala kuyo.

[8]Kwathi ngangomuso, lapho amaFilisti efika ukuphanga ababuleweyo, afumana uSawule namadodana akhe omathathu bewile entabeni yaseGilibowa.

[9]Amnquma ikhanda, athatha izikhali zakhe, azithuma ezweni lamaFilisti nxazonke ukukumemezela endlini yezithombe zawo nakubantu.

[10]Azibeka izikhali zakhe endlini ka-Ashitaroti, abethela isidumbu sakhe ogangeni lwaseBeti Shani.

[11]Sebezwile abakhe eJabeshi Gileyadi lokho amaFilisti ayekwenzile kuSawule,

[12] kwasuka onke amadoda anamandla, ahamba ubusuku bonke, asithatha isidumbu sikaSawule, nezidumbu zamadodana akhe ogangeni lwaseBeti Shani, afika eJabeshi, azishisa khona.

[13]Athatha amathambo abo, awembela phansi komtamariske eJabeshi, azila ukudla izinsuku eziyisikhombisa.

O segundo livro de Samuel	2 uSamuweli

2 Samuel 1

Davi recebe a notícia da derrota e da morte de Saul

[1] Depois da morte de Saul, voltando Davi da derrota dos amalequitas e estando já dois dias em Ziclague,

[2] sucedeu, ao terceiro dia, aparecer do arraial de Saul um homem com as vestes rotas e terra sobre a cabeça; em chegando ele a Davi, inclinou-se, lançando-se em terra.

[3] Perguntou-lhe Davi: Donde vens? Ele respondeu: Fugi do arraial de Israel.

[4] Disse-lhe Davi: Como foi lá isso? Conta-mo. Ele lhe respondeu: O povo fugiu da batalha, e muitos caíram e morreram, bem como Saul e Jônatas, seu filho.

[5] Disse Davi ao moço que lhe dava as novas: Como sabes tu que Saul e Jônatas, seu filho, são mortos?

[6] Então, disse o moço portador das notícias: Cheguei, por acaso, à montanha de Gilboa, e eis que Saul estava apoiado sobre a sua lança, e os carros e a cavalaria apertavam com ele.

[7] Olhando ele para trás, viu-me e chamou-me. Eu disse: Eis-me aqui.

[8] Ele me perguntou: Quem és tu? Eu respondi: Sou amalequita.

2 uSamuweli 1

Umbiko wokufa kukaSawule

[1] Kwathi emva kokufa kukaSawule, uDavide esebuyile ekubulaleni ama-Amaleki, futhi uDavide esehlale izinsuku ezimbili eSikilagi,

[2]kwathi-ke ngosuku lwesithathu, bheka, kwaphuma umuntu ekamu likaSawule, izingubo zakhe ziklebhukile, enomhlabathi ekhanda, wawa phansi ekufikeni kwakhe kuDavide, wakhuleka.

[3]UDavide wathi kuye: Uvelaphi na? Wathi kuye: Ngibalekile ekamu lakwa-Israyeli.

[4]UDavide wayesethi kuye: Bekunjani na? Ake ungitshele. Wathi: Abantu babalekile empini, nabantu abaningi bawile, bafa; oSawule noJonathani indodana yakhe bafile nabo.

[5]UDavide wathi kuleyo nsizwa eyamtshelayo: Wazi kanjani ukuthi oSawule noJonathani indodana yakhe bafile na?

[6] Insizwa eyamtshelayo yathi: Ngithe ngisentabeni yaseGilibowa, bheka, uSawule wencika emkhontweni, kwamjonga kakhulu izinqola nabamahhashi.

[7]Lapho ebheka emuva, wangibona, wangibiza. Ngaphendula ngokuthi: Ngilapha.

[8] Wathi kimi: Wena ungubani na? Ngathi kuye: NgingumAmaleki.

[9] Então, me disse: Arremete sobre mim e mata-me, pois me sinto vencido de cãibra, mas o tino se acha ainda todo em mim.

[10] Arremessei-me, pois, sobre ele e o matei, porque bem sabia eu que ele não viveria depois de ter caído. Tomei-lhe a coroa que trazia na cabeça e o bracelete e os trouxe aqui ao meu senhor.

Davi manda matar o amalequita

[11] Então, apanhou Davi as suas próprias vestes e as rasgou, e assim fizeram todos os homens que estavam com ele.

[12] Prantearam, choraram e jejuaram até à tarde por Saul, e por Jônatas, seu filho, e pelo povo do SENHOR, e pela casa de Israel, porque tinham caído à espada.

[13] Então, perguntou Davi ao moço portador das notícias: Donde és tu? Ele respondeu: Sou filho de um homem estrangeiro, amalequita.

[14] Davi lhe disse: Como não temeste estender a mão para matares o ungido do SENHOR?

[15] Então, chamou Davi a um dos moços e lhe disse: Vem, lança-te sobre esse homem. Ele o feriu, de sorte que morreu.

[16] Disse-lhe Davi: O teu sangue seja sobre a tua cabeça, porque a tua própria boca testificou contra ti, dizendo: Matei o ungido do SENHOR.

O lamento de Davi por Saul e Jônatas

[17] Pranteou Davi a Saul e a Jônatas, seu filho, com esta lamentação,

[9] Wathi kimi: Ake ume ngakimi, ungibulale, ngokuba ngishaywe yisiyezi, nokuphila kusekhona kimi.

[10] Ngase ngima ngakuye, ngambulala, ngokuba ngakwazi ukuthi angephile esewile, ngathatha umqhele owawusekhanda lakhe, nesongo elalisengalweni yakhe, ngikulethile lapha enkosini yami.

[11]UDavide wayesebamba izingubo zakhe, waziklebhula kanye nawo onke amadoda ayenaye.

[12]Balila, bakhala, bazila ukudla kwaze kwahlwa ngenxa kaSawule, noJonathani indodana yakhe, nabantu bakaJehova, nendlu ka-Israyeli, ngokuba bebewile ngenkemba.

[13]Wathi uDavide kuyo insizwa eyayimtshelile: Ungowaphi na? Wathi: Ngiyindodana yomuntu ogogobele nje, umAmaleki.

[14] UDavide wathi kuyo: Yini ukuba ungesabanga ukwelula isandla sakho, ubhubhise ogcotshiweyo kaJehova, na?

[15]UDavide wayesebiza enye yezinsizwa, wathi: Sondela, umsukele. Yamshaya waze wafa.

[16]UDavide wathi kuye: Igazi lakho malibe phezu kwekhanda lakho, ngokuba umlomo wakho ufakazile ngawe, lapho uthi: Ngibulele ogcotshiweyo kaJehova.

Isililo sikaDavide ngoSawule noJonathani

[17]UDavide walila ngalesi sililo ngoSawule noJonathani indodana yakhe,

[18] determinando que fosse ensinado aos filhos de Judá o Hino ao Arco, o qual está escrito no Livro dos Justos.

[19] A tua glória, ó Israel, foi morta sobre os teus altos! Como caíram os valentes!

[20] Não o noticieis em Gate, nem o publiqueis nas ruas de Asquelom, para que não se alegrem as filhas dos filisteus, nem saltem de contentamento as filhas dos incircuncisos.

[21] Montes de Gilboa, não caia sobre vós nem orvalho, nem chuva, nem haja aí campos que produzam ofertas, pois neles foi profanado o escudo dos valentes, o escudo de Saul, que jamais será ungido com óleo.

[22] Sem sangue dos feridos, sem gordura dos valentes, nunca se recolheu o arco de Jônatas, nem voltou vazia a espada de Saul.

[23] Saul e Jônatas, queridos e amáveis, tanto na vida como na morte não se separaram! Eram mais ligeiros do que as águias, mais fortes do que os leões.

[24] Vós, filhas de Israel, chorai por Saul, que vos vestia de rica escarlata, que vos punha sobre os vestidos adornos de ouro.

[25] Como caíram os valentes no meio da peleja! Jônatas sobre os montes foi morto!

[26] Angustiado estou por ti, meu irmão Jônatas; tu eras amabilíssimo para

[18] wathi mabafundiswe abantwana bakwaJuda eyoMnsalo; bheka, silotshiwe eNcwadini Yoqotho.

[19] Udumo lwakho, Israyeli, lubulewe ezindaweni eziphakemeyo. Yeka ukuwa kwamaqhawe!

[20] Ningakusho eGati, ningakumemezeli ezitaladini zase-Ashikeloni, funa amadodakazi amaFilisti ajabule, namadodakazi abangasokile athokoze.

[21] Nina zintaba zaseGilibowa, makungabikho mazolo namvula phezu kwenu, nokugubha kotwa, ngokuba isihlangu samaqhawe santshingwa, isihlangu sikaSawule, singagcotshwanga ngamafutha.

[22] Egazini lababuleweyo nasemanonini amaqhawe umnsalo kaJonathani awuphindelanga emuva, nenkemba kaSawule ayibuyelanga ize.

[23] OSawule noJonathani babethandeka, bemnandi; ekuphileni nasekufeni kwabo kabahlukaniswanga; babenejubane kunezinkozi, babenamandla kunezingonyama.

[24] Nina madodakazi akwa-Israyeli, mkhaleleni uSawule owanigqokisa kamnandi ngokubomvu, owavunulisa izambatho zenu ngezivunulo zegolide.

[25] Yeka ukuwa kwamaqhawe phakathi kokulwa! UJonathani ubulewe ezindaweni zakho eziphakemeyo.

[26] Ngidabukile ngawe mfowethu Jonathani; wawumnandi kakhulu kimi;

comigo! Excepcional era o teu amor, ultrapassando o amor de mulheres.

[27] Como caíram os valentes, e pereceram as armas de guerra!

2 Samuel 2

Davi é aclamado rei de Judá

[1] Depois disto, consultou Davi ao SENHOR, dizendo: Subirei a alguma das cidades de Judá? Respondeu-lhe o SENHOR: Sobe. Perguntou Davi: Para onde subirei? Respondeu o SENHOR: Para Hebrom.

[2] Subiu Davi para lá, e também as suas duas mulheres, Ainoã, a jezreelita, e Abigail, a viúva de Nabal, o carmelita.

[3] Fez Davi subir os homens que estavam com ele, cada um com sua família; e habitaram nas aldeias de Hebrom.

[4] Então, vieram os homens de Judá e ungiram ali Davi rei sobre a casa de Judá. E informaram Davi de que os homens de Jabes-Gileade foram os que sepultaram Saul.

[5] Então, enviou Davi mensageiros aos homens de Jabes-Gileade para dizer-lhes: Benditos do SENHOR sejais vós, por esta humanidade para com vosso senhor, para com Saul, pois o sepultastes!

[6] Agora, pois, o SENHOR use convosco de misericórdia e fidelidade; eu vos recompensarei este bem que fizestes.

[7] Agora, pois, sejam fortes as vossas mãos, e sede valentes, pois Saul, vosso senhor, é

lwaluyisimangaliso kimi uthando lwakho, ludlula uthando lwabesifazane.

[27] Yeka ukuwa kwamaqhawe, nokuphela kwezikhali zokulwa!

2 uSamuweli 2

UDavide uyinkosi kwaJuda; u-Ishi Bosheti uyinkosi kwa-Israyeli

[1] Kwathi emva kwalokho uDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngenyukele yini komunye wemizi yakwaJuda na? UJehova wathi kuye: Yenyuka. Wathi uDavide: Ngenyukelephi na? Wathi: EHebroni.

[2] Wayesenyukela khona uDavide nabafazi bakhe ababili, o-Ahinohama waseJizreyeli no-Abigayili umkaNabali waseKarmeli.

[3]Abantu bakhe ababe noDavide wabenyusa, kwaba yilowo nalowo nomuzi wakhe; bahlala emizaneni yaseHebroni.

[4] Bafika abantu bakwaJuda, bamgcoba khona uDavide abe yinkosi yendlu yakwaJuda. Bamtshela uDavide ukuthi: Abantu baseJabeshi Gileyadi yibo abammbela uSawule.

[5]UDavide wayesethuma izithunywa kubantu baseJabeshi Gileyadi, wathi kubo: Manibusiswe nguJehova, ngokuba nenzile lowo musa kuyo inkosi yenu, uSawule, nammbela.

[6]Manje uJehova makanenzele umusa neqiniso, nami nginibuyisele lowo musa, ngokuba niyenzile leyo nto.

[7]Ngalokho maziqine izandla zenu, nibe nesibindi, ngokuba uSawule inkosi yenu

morto, e os da casa de Judá me ungiram rei sobre si.

Abner faz Isbosete rei de Israel

8 Abner, filho de Ner, capitão do exército de Saul, tomou a Isbosete, filho de Saul, e o fez passar a Maanaim,

9 e o constituiu rei sobre Gileade, sobre os assuritas, sobre Jezreel, Efraim, Benjamim e sobre todo o Israel.

10 Da idade de quarenta anos era Isbosete, filho de Saul, quando começou a reinar sobre Israel, e reinou dois anos; somente a casa de Judá seguia a Davi.

11 O tempo que Davi reinou em Hebrom sobre a casa de Judá foram sete anos e seis meses.

Vitória de Davi sobre Isbosete

12 Saiu Abner, filho de Ner, com os homens de Isbosete, filho de Saul, de Maanaim a Gibeão.

13 Saíram também Joabe, filho de Zeruia, e os homens de Davi e se encontraram uns com os outros perto do açude de Gibeão; pararam estes do lado de cá do açude, e aqueles, do lado de lá.

14 Disse Abner a Joabe: Levantem-se os moços e batam-se diante de nós. Respondeu Joabe: Levantem-se.

15 Então, se levantaram e avançaram em igual número: doze de Benjamim, da parte de Isbosete, filho de Saul, e doze dos homens de Davi.

ufile; indlu yakwaJuda ingigcobile ngibe yinkosi yayo.

8 U-Abineri indodana kaNeri induna yempi kaSawule wayethathile u-Ishi Bosheti indodana kaSawule, wamwelisela eMahanayimi,

9wambeka inkosi kwaGileyadi, nakuma-Ashurimi, naseJizreyeli, nakwa-Efrayimi noBenjamini, nakwa-Israyeli wonke.

10U-Ishi Bosheti indodana kaSawule wayeneminyaka engamashumi amane ekuqaleni kwakhe ukubusa phezu kuka-Israyeli; wabusa iminyaka emibili. Kepha indlu yakwaJuda yamlandela uDavide.

11 Isikhathi uDavide eyinkosi ngaso eHebroni phezu kwendlu yakwaJuda sasiyiminyaka eyisikhombisa nezinyanga eziyisithupha.

Ukulwa kuka-Ishi Bosheti noDavide. Impi yaseGibeyoni

12U-Abineri indodana kaNeri nezinceku zika-Ishi Bosheti indodana kaSawule baphuma eMahanayimi, baya eGibeyoni.

13 UJowabe indodana kaSeruya nezinceku zikaDavide baphuma bahlangana ngasechibini laseGibeyoni; bahlala phansi, abanye ngalapha kwechibi, abanye ngalapho kwechibi.

14U-Abineri wathi kuJowabe: Ake zisuke izinsizwa, ziqakulizane phambi kwethu. UJowabe wathi: Mazisuke.

15Zase zisuka, zawela ngamanani, eziyishumi nambili kwaBenjamini naku-Ishi Bosheti indodana kaSawule, neziyishumi nambili ziyizinceku zikaDavide.

[16] Cada um lançou mão da cabeça do outro, meteu-lhe a espada no lado, e caíram juntamente; donde se chamou àquele lugar Campo das Espadas, que está junto a Gibeão.

[16]Zabambana ngekhanda, zagwaza ngenkemba ohlangothini lwezimelene nazo, zawa kanyekanye; ngalokho leyo ndawo yabizwa ngokuthi iHelikati Hasurimi eliseGibeyoni.

[17] Seguiu-se crua peleja naquele dia; porém Abner e os homens de Israel foram derrotados diante dos homens de Davi.

[17]Kwakuyimpi enzima ngalolo suku; u-Abineri wahlulwa kanye nabantu bakwa-Israyeli phambi kwezinceku zikaDavide.

Abner mata a Asael

[18] Estavam ali os três filhos de Zeruia: Joabe, Abisai e Asael; Asael era ligeiro de pés, como gazela selvagem.

[18]Amadodana amathathu kaSeruya ayelapho, oJowabe, no-Abishayi, no-Asaheli; u-Asaheli wayenezinyawo ezilula njengensephe.

[19] Asael perseguiu a Abner e, na sua perseguição, não se desviou nem para a direita, nem para a esquerda.

[19]U-Asaheli wamxosha u-Abineri; ekuhambeni kwakhe akachezukanga ngakwesokunene nangakwesokhohlo ekumlandeleni u-Abineri.

[20] Então, olhou Abner para trás e perguntou: És tu Asael? Ele respondeu: Eu mesmo.

[20]U-Abineri wabheka emuva, wathi: Ungu-Asaheli na? Wathi: Yimi.

[21] Então, lhe disse Abner: Desvia-te para a direita ou para a esquerda, lança mão de um dos moços e toma-lhe a armadura. Porém Asael não quis apartar-se dele.

[21]U-Abineri wayesethi kuye: Chezukela ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo, ubambe enye yezinsizwa, uthathe izikhali zakhe. Kepha u-Asaheli akavumanga ukuchezuka ekumlandeleni.

[22] Então, Abner tornou a dizer-lhe: Desvia-te de detrás de mim; por que hei de eu ferir-te e dar contigo em terra? E como me avistaria rosto a rosto com Joabe, teu irmão?

[22]U-Abineri wabuye wathi ku-Asaheli: Chezuka ekungilandeleni; yini ukuba ngikucekele phansi na? Ngingaphakamisa kanjani ubuso bami ngakuJowabe umfowenu na?

[23] Porém, recusando ele desviar-se, Abner o feriu no abdômen com a extremidade inferior da lança, que lhe saiu por detrás. Asael caiu e morreu no mesmo lugar; todos quantos chegavam no lugar em que Asael caíra e morrera paravam.

[23] Wala nokho ukuchezuka; ngalokho u-Abineri wamgwaza esiswini ngesidunu somkhonto, waze waphuma emuva umkhonto; wawela khona, wafela khona lapho; kwathi bonke abafika endaweni u-Asaheli awele kuyo wafa, bema.

Joabe persegue os homens de Abner

[24] Porém Joabe e Abisai perseguiram Abner; e pôs-se o sol, quando chegaram eles ao outeiro de Amá, que está diante de Giá, junto ao caminho do deserto de Gibeão.

[25] Os filhos de Benjamim se ajuntaram atrás de Abner e, cerrados numa tropa, puseram-se no cimo de um outeiro.

[26] Então, Abner gritou a Joabe e disse: Consumirá a espada para sempre? Não sabes que serão amargas as suas conseqüências? Até quando te demorarás em ordenar ao povo que deixe de perseguir a seus irmãos?

[27] Respondeu Joabe: Tão certo como vive Deus, se não tivesses falado, só amanhã cedo o povo cessaria de perseguir cada um a seu irmão.

[28] Então, Joabe tocou a trombeta, e todo o povo parou, e eles não perseguiram mais a Israel e já não pelejaram.

[29] Abner e seus homens marcharam toda aquela noite pela planície; passaram o Jordão e, caminhando toda a manhã, chegaram a Maanaim.

[30] Joabe deixou de perseguir a Abner; e, tendo ele ajuntado todo o povo, faltavam dezenove dos homens de Davi, além de Asael.

[31] Porém os servos de Davi tinham ferido, dentre os de Benjamim e dentre os homens de Abner, a trezentos e sessenta homens, que ali ficaram mortos.

[24]Kepha oJowabe no-Abishayi bamxosha u-Abineri; ilanga lashona befike ngasegqumeni lase-Ama elingaphambi kweGiya ngasendleleni yasehlane laseGibeyoni.

[25]Abantwana bakwaBenjamini babuthana emva kuka-Abineri, baba yiviyo linye, bema esiqongweni segquma elithile.

[26]U-Abineri wayesememeza kuJowabe, wathi: Inkemba iyakudla njalonjalo na? Awazi yini ukuthi kuyakuba khona umunyu ekugcineni na? Koze kube nini ungabayali abantu ukuba babuye ekubalandeleni abafowabo na?

[27]UJowabe wathi: Kuphila kukaNkulunkulu, uma ubungakhulumanga, ngempela abantu bonke bebeyakube sebenyukile kusasa ekuxosheni abafowabo.

[28]UJowabe wayesebetha icilongo; bonke abantu bema, ababe besamxosha u-Israyeli, futhi ababe besalwa.

[29]U-Abineri nabantu bakhe badabula i-Araba bonke lobo busuku, bawela iJordani, badabula lonke iBitroni, bafika eMahanayimi.

[30]UJowabe wabuya ekumxosheni u-Abineri; lapho esebuthile bonke abantu, kwasilala kuzo izinceku zikaDavide abantu abayishumi nesishiyagalolunye no-Asaheli.

[31]Kepha izinceku zikaDavide zazibulele abakwaBenjamini nabaka-Abineri, kwafa abantu abangamakhulu amathathu namashumi ayisithupha.

[32] Levaram Asael e o enterraram na sepultura de seu pai, a qual estava em Belém. Joabe e seus homens caminharam toda aquela noite, e amanheceu-lhes o dia em Hebrom.

2 Samuel 3

[1] Durou muito tempo a guerra entre a casa de Saul e a casa de Davi; Davi se ia fortalecendo, porém os da casa de Saul se iam enfraquecendo.

A família de Davi em Hebrom
1 Crônicas 3.1-4

[2] Em Hebrom, nasceram filhos a Davi; o primogênito foi Amnom, de Ainoã, a jezreelita;

[3] o segundo, Quileabe, de Abigail, viúva de Nabal, o carmelita; o terceiro, Absalão, filho de Maaca, filha de Talmai, rei de Gesur;

[4] o quarto, Adonias, filho de Hagite; o quinto, Sefatias, filho de Abital;

[5] o sexto, Itreão, de Eglá, mulher de Davi; estes nasceram a Davi em Hebrom.

Abner faz aliança com Davi

[6] Havendo guerra entre a casa de Saul e a casa de Davi, Abner se fez poderoso na casa de Saul.

[7] Teve Saul uma concubina, cujo nome era Rispa, filha de Aiá. Perguntou Isbosete a Abner: Por que coabitaste com a concubina de meu pai?

[32]Bamthatha u-Asaheli, bammbela ethuneni likayise elaliseBethlehema. UJowabe nabantu bakhe bahamba ubusuku bonke, kwasa beseHebroni.

2 uSamuweli 3

[1] Kwakukhona ukulwa isikhathi eside phakathi kwendlu kaSawule nendlu kaDavide; uDavide waqhubeka ngokuqina njalo, kepha indlu kaSawule yaqhubeka ngokuncipha njalo.

Amadodana kaDavide

[2] Kwazalelwa uDavide amadodana eHebroni; izibulo lakhe laba ngu-Amnoni ku-Ahinohama waseJizreyeli;

[3] eyesibili yaba nguKileyabi ku-Abigayili umkaNabali waseKarmeli; eyesithathu yayingu-Abisalomu indodana kaMahakha indodakazi kaTalimyi inkosi yaseGeshuri;

[4]eyesine yayingu-Adoniya indodana kaHagiti; eyesihlanu yayinguShefathiya indodana ka-Abithali;

[5]eyesithupha yayingu-Itereyamu ku-Egila umkaDavide. Lawo azalelwa uDavide eHebroni.

Ukuvumelana kukaDavide no-Abineri. U-Abineri ubulawa nguJowabe

[6]Kwathi kusekhona ukulwa phakathi kwendlu kaSawule nendlu kaDavide, u-Abineri wamela indlu kaSawule ngamandla.

[7] Kepha uSawule wayenesancinza esigama laso lalinguRispa indodakazi ka-Aya. U-Ishi Bosheti wayesethi ku-Abineri: Ungeneleni kuso isancinza sikababa na?

[8] Então, se irou muito Abner por causa das palavras de Isbosete e disse: Sou eu cabeça de cão para Judá? Ainda hoje faço beneficência à casa de Saul, teu pai, a seus irmãos e a seus amigos e te não entreguei nas mãos de Davi? Contudo, me queres, hoje, culpar por causa desta mulher.

[8]U-Abineri wathukuthela kakhulu ngenxa yalawo mazwi ka-Ishi Bosheti, wathi: Ngiyikhanda lenja engeyakwaJuda na? Namuhla ngiyayenzela indlu kaSawule uyihlo umusa, abafowabo nabangane bayo, angikunikelanga esandleni sikaDavide; nokho ungibeka icala namuhla ngalowo wesifazane.

[9] Assim faça Deus segundo lhe parecer a Abner, se, como jurou o SENHOR a Davi, não fizer eu,

[9]UNkulunkulu makenze njalo ku-Abineri, enezele futhi, uma ngingenzi kuDavide njengalokho uJehova efungile kuye,

[10] transferindo o reino da casa de Saul e estabelecendo o trono de Davi sobre Israel e sobre Judá, desde Dã até Berseba.

[10]kudluliswe umbuso endlini kaSawule, kumiswe isihlalo sobukhosi sikaDavide phezu kuka-Israyeli naphezu kukaJuda, kusukela kwaDani kuze kufike eBeri Sheba.

[11] E nenhuma palavra pôde Isbosete responder a Abner, porque o temia.

[11]Wayengenakumphendula u-Abineri ngezwi futhi, ngokuba wayemesaba.

[12] Então, de sua parte ordenou Abner mensageiros a Davi, dizendo: De quem é a terra? Faze comigo aliança, e eu te ajudarei em fazer passar-te a ti todo o Israel.

[12]U-Abineri wayesethuma izithunywa kuDavide esikhundleni sakhe ngokuthi: Ngelikabani izwe na? ethi futhi: Yenza isivumelwano nami; bheka, isandla sami siyakuba nawe ukubuyisela kuwe wonke u-Israyeli.

[13] Respondeu Davi: Bem, eu farei aliança contigo, porém uma coisa exijo: quando vieres a mim, não verás a minha face, se primeiro me não trouxeres a Mical, filha de Saul.

[13]Wathi: Kuhle; ngiyakwenza isivumelwano nawe, kepha yinto inye engiyifuna kuwe, ngeyokuthi awuyikubona ubuso bami, uma ungalethi kuqala phambi kwami uMikhali indodakazi kaSawule, lapho uzayo ukubona ubuso bami.

[14] Também enviou Davi mensageiros a Isbosete, filho de Saul, dizendo: Dá-me de volta minha mulher Mical, que eu desposei por cem prepúcios de filisteus.

[14] UDavide wayesethuma izithunywa ku-Ishi Bosheti indodana kaSawule, ethi: Nginike umkami uMikhali engammiselwa ngamajwabu ayikhulu amaFilisti.

15 Então, Isbosete mandou tirá-la a seu marido, a Paltiel, filho de Laís.

16 Seu marido a acompanhou, caminhando e chorando após ela, até Baurim. Disse Abner: Vai-te, volta. E ele voltou.

17 Falou Abner com os anciãos de Israel, dizendo: Outrora, procuráveis que Davi reinasse sobre vós.

18 Fazei-o, pois, agora, porque o SENHOR falou a Davi, dizendo: Por intermédio de Davi, meu servo, livrarei o meu povo das mãos dos filisteus e das mãos de todos os seus inimigos.

19 Da mesma sorte falou também Abner aos ouvidos de Benjamim; e foi ainda dizer a Davi, em Hebrom, tudo o que agradava a Israel e a toda a casa de Benjamim.

20 Veio Abner ter com Davi, em Hebrom, e vinte homens, com ele; Davi ofereceu um banquete a Abner e aos homens que com ele vieram.

21 Então, disse Abner a Davi: Levantar-me-ei e irei para ajuntar todo o Israel ao rei, meu senhor, para fazerem aliança contigo; tu reinarás sobre tudo que desejar a tua alma. Assim, despediu Davi a Abner, e ele se foi em paz.

Joabe mata a Abner à traição

22 Eis que os servos de Davi e Joabe vieram de uma investida e traziam consigo grande

15 Wayesethumela u-Ishi Bosheti, wamthatha endodeni yakhe uPalitiyeli indodana kaLayishi.

16 Indoda yakhe yahamba naye, ikhala isahamba, yamlandela kwaze kwaba seBahurimi. U-Abineri wayesethi kuyo: Buya. Yabuya-ke.

17 U-Abineri waba nezwi namalunga akwa-Israyeli, ethi: Ngezikhathi ezidlulileyo nafuna uDavide abe yinkosi phezu kwenu;

18 kwenzeni lokho manje, ngokuba uJehova ukhulumile ngoDavide ukuthi: Ngesandla senceku yami uDavide ngiyakusindisa abantu bami u-Israyeli esandleni samaFilisti nasesandleni sazo zonke izitha zabo.

19 U-Abineri wakhuluma futhi ezindlebeni zakwaBenjamini; u-Abineri waya futhi ukukhuluma ezindlebeni zikaDavide eHebroni konke okwakukuhle ku-Israyeli nakuyo yonke indlu yakwaBenjamini.

20 Wayesefika u-Abineri kuDavide eHebroni nabantu abangamashumi amabili bekanye naye. UDavide wamenzela u-Abineri nabantu ababe naye idili.

21 U-Abineri wayesethi kuDavide: Ngiyakusuka ngihambe ngiqoqele wonke u-Israyeli enkosini yami, inkosi, ukuba benze isivumelwano nawe nokuba ubuse phezu kwakho konke ekufisayo inhliziyo yakho. UDavide wammukisa u-Abineri, wahamba ngokuthula.

22 Bheka, izinceku zikaDavide nezikaJowabe zabuya eviyweni, zaletha

despojo; Abner, porém, já não estava com Davi, em Hebrom, porque este o havia despedido, e ele se fora em paz.

[23] Chegando, pois, Joabe e toda a tropa que vinha com ele, disseram-lhe: Abner, filho de Ner, veio ter com o rei, o qual o despediu, e ele se foi em paz.

[24] Então, Joabe foi ao rei e disse: Que fizeste? Eis que Abner veio ter contigo; como, pois, o despediste, indo-se ele livremente?

[25] Bem conheces Abner, filho de Ner. Veio para enganar-te, tomar conhecimento de tuas empresas e sondar todos os teus planos.

[26] Retirando-se Joabe de Davi, enviou mensageiros após Abner, e o fizeram voltar desde o poço de Sirá, sem que Davi o soubesse.

[27] Tornando, pois, Abner a Hebrom, Joabe o tomou à parte, no interior da porta, para lhe falar em segredo, e ali o feriu no abdômen, e ele morreu, agindo assim Joabe em vingança do sangue de seu irmão Asael.

[28] Sabendo-o depois Davi, disse: Inocentes somos eu e o meu reino, para com o SENHOR, para sempre, do sangue de Abner, filho de Ner.

[29] Caia este sangue sobre a cabeça de Joabe e sobre toda a casa de seu pai! Jamais falte da casa de Joabe quem tenha fluxo, quem seja leproso, quem se apóie em muleta, quem caia à espada, quem necessite de pão.

impango enkulu; kepha u-Abineri wayengekho kuDavide eHebroni, ngokuba wayemmukisile, wahamba ngokuthula.

[23]Esefikile uJowabe nempi yonke eyayinaye, bamtshela uJowabe ukuthi: U-Abineri indodana kaNeri wafika enkosini; immukisile, wahamba ngokuthula.

[24]UJowabe wayeseya enkosini, wathi: Wenzeni na? Bheka, u-Abineri wafika kuwe; ummukiseleni wahamba nokuhamba na?

[25]Uyamazi u-Abineri indodana kaNeri ukuthi wafika ukukukhohlisa nokwazi ukuphuma kwakho nokungena kwakho, nokwazi konke okwenzayo.

[26]UJowabe esephumile kuDavide wathuma izithunywa ukulandela u-Abineri, zambuyisa emthonjeni waseSira, kepha uDavide wayengakwazi lokho.

[27] U-Abineri esebuyele eHebroni, uJowabe wamchezukisela phakathi kwesango ukuba akhulume naye bebodwa, wamgwaza lapho esiswini waze wafa ngenxa yegazi lika-Asaheli umfowabo.

[28]Esekuzwa lokho ngasemuva uDavide wathi: Mina nombuso wami asinacala phambi kukaJehova kuze kube phakade ngegazi lika-Abineri indodana kaNeri;

[29] maliwele ekhanda likaJowabe nakuyo yonke indlu kayise. Makungaphuthi endlini kaJowabe ukuba kube khona ocucuzayo, nonochoko, nozimelelayo ngodondolo, nowayo ngenkemba, noswele isinkwa.

[30] Joabe, pois, e seu irmão Abisai mataram Abner, por ter morto seu irmão Asael na peleja, em Gibeão.

Davi lamenta a morte de Abner

[31] Disse, pois, Davi a Joabe e a todo o povo que com ele estava: Rasgai as vossas vestes, cingi-vos de panos de saco e ide pranteando diante de Abner. E o rei Davi ia seguindo o féretro.

[32] Sepultaram Abner em Hebrom; o rei levantou a voz e chorou junto da sepultura de Abner; chorou também todo o povo.

[33] E o rei, pranteando a Abner, disse: Teria de morrer Abner como se fora um perverso?

[34] As tuas mãos não estavam atadas, nem os teus pés, carregados de grilhões; caíste como os que caem diante dos filhos da maldade! E todo o povo chorou muito mais por ele.

[35] Então, veio todo o povo fazer que Davi comesse pão, sendo ainda dia; porém Davi jurou, dizendo: Assim me faça Deus o que lhe aprouver, se eu provar pão ou alguma coisa antes do sol posto.

[36] Todo o povo notou isso e lhe pareceu bem, assim como lhe pareceu bem tudo quanto o rei fez.

[37] Todo o povo e todo o Israel, naquele mesmo dia, ficaram sabendo que não procedera do rei que matassem a Abner, filho de Ner.

[30]OJowabe no-Abishayi umfowabo base bembulele u-Abineri, ngokuba wayebulele umfowabo u-Asaheli eGibeyoni empini.

[31]UDavide wathi kuJowabe nakubantu bonke ababe naye: Klebhulani izingubo zenu, nibhince indwangu yamasaka, nilile phambi kuka-Abineri. Inkosi uDavide yalandela uhlaka.

[32]Bammbela u-Abineri eHebroni; inkosi yadazuluka, yakhala ngasethuneni lika-Abineri; nabantu bonke bakhala.

[33]Inkosi yamlilela u-Abineri, yathi: Afe u-Abineri njengokufa kwesiwula na?

[34]Izandla zakho zazingaboshiwe, nezinyawo zakho zazingafakwanga emaketangeni; wawa njengomuntu owayo phambi kwabantu ababi. Bonke abantu baphinda bemkhalela.

[35]Bonke abantu bafika ukuba bamdlise uDavide isinkwa kusesemini; kepha uDavide wafunga wathi: Makenze njalo kimi uNkulunkulu, enezele futhi, uma ngidla isinkwa noma okunye lingakashoni ilanga.

[36]Bonke abantu bakubona, kwaba kuhle emehlweni abo, njengalokho konke eyakwenza inkosi kwaba kuhle emehlweni abantu bonke.

[37]Base beqonda bonke abantu naye wonke u-Israyeli ngalolo suku ukuthi kwakungesikho okwenkosi ukubulala u-Abineri indodana kaNeri.

[38] Então, disse o rei aos seus homens: Não sabeis que, hoje, caiu em Israel um príncipe e um grande homem?

[39] No presente, sou fraco, embora ungido rei; estes homens, filhos de Zeruia, são mais fortes do que eu. Retribua o SENHOR ao que fez mal segundo a sua maldade.

2 Samuel 4

A morte de Isbosete

[1] Ouvindo, pois, o filho de Saul que Abner morrera em Hebrom, as mãos se lhe afrouxaram, e todo o Israel pasmou.

[2] Tinha o filho de Saul a seu serviço dois homens, capitães de tropas; um se chamava Baaná, o outro, Recabe, filhos de Rimom, o beerotita, dos filhos de Benjamim, porque também Beerote era tida como pertencente a Benjamim.

[3] Tinham fugido os beerotitas para Gitaim e ali têm morado até ao dia de hoje.

[4] Jônatas, filho de Saul, tinha um filho aleijado dos pés. Era da idade de cinco anos quando de Jezreel chegaram as notícias da morte de Saul e de Jônatas; então, sua ama o tomou e fugiu; sucedeu que, apressando-se ela a fugir, ele caiu e ficou manco. Seu nome era Mefibosete.

[5] Indo Recabe e Baaná, filhos de Rimom, beerotita, chegaram à casa de Isbosete, no

[38]Inkosi yathi ezincekwini zayo: Anazi yini ukuthi kufile umbusi nomuntu omkhulu kwa-Israyeli namuhla na?

[39] Nami ngibuthakathaka namuhla noma ngigcotshiwe ngibe yinkosi; laba bantu, amadodana kaSeruya, balukhuni kunami; uJehova makaphindisele owenza okubi njengobubi bakhe.

2 uSamuweli 4

Ukubulawa kuka-Ishi Bosheti nokuphindiselwa kwakhe

[1]Lapho isizwile indodana kaSawule ukuthi u-Abineri ufile eHebroni, izandla zayo zaba buthakathaka, nabo bonke abakwa-Israyeli bakhathazeka.

[2] Indodana kaSawule yayinamadoda amabili ayeyizinduna zamaviyo; igama lenye lalinguBahana negama lenye lalinguRekabi, amadodana kaRimoni waseBeyeroti wabantwana bakwaBenjamini, ngokuba iBeyeroti libalelwa kuBenjamini.

[3]AbaseBeyeroti babalekela eGitayimi, bagogobala khona kuze kube namuhla.

[4] UJonathani indodana kaSawule wayenendodana elunyonga ngezinyawo. Yayineminyaka eyisihlanu ekufikeni kombiko ngoSawule noJonathani uvela eJizreyeli; umzanyana wayo wayithatha, wabaleka; kwathi esesheha ukubaleka, yawa, yaba lunyonga. Igama layo lalinguMefibosheti.

[5]Amadodana kaRimoni waseBeyeroti oRekabi noBahana ahamba, afika selishisa

maior calor do dia, estando este a dormir, ao meio-dia.

[6] Ali, entraram para o interior da casa, como que vindo buscar trigo, e o feriram no abdômen; Recabe e Baaná, seu irmão, escaparam.

[7] Tendo eles entrado na casa, estando ele no seu leito, no quarto de dormir, feriram-no e o mataram. Cortaram-lhe depois a cabeça e a levaram, andando toda a noite pelo caminho da planície.

[8] Trouxeram a cabeça de Isbosete ao rei Davi, a Hebrom, e lhe disseram: Eis aqui a cabeça de Isbosete, filho de Saul, teu inimigo, que procurava tirar-te a vida; assim, o SENHOR vingou, hoje, ao rei, meu senhor, de Saul e da sua descendência.

[9] Porém Davi, respondendo a Recabe e a Baaná, seu irmão, filhos de Rimom, o beerotita, disse-lhes: Tão certo como vive o SENHOR, que remiu a minha alma de toda a angústia,

[10] se eu logo lancei mão daquele que me trouxe notícia, dizendo: Eis que Saul é morto, parecendo-lhe porém aos seus olhos que era como quem trazia boas-novas, e como recompensa o matei em Ziclague,

[11] muito mais a perversos, que mataram a um homem justo em sua casa, no seu leito; agora, pois, não requereria eu o seu sangue de vossas mãos e não vos exterminaria da terra?

ilanga endlini ka-Ishi Bosheti ephumula embhedeni emini.

[6]Bangena khona phakathi kwendlu kungathi bayakulanda ukolweni; bamgwaza esiswini; oRekabi noBahana umfowabo babaleka.

[7]Babengenile-ke endlini esalele embhedeni ekamelweni lakhe, bamgwaza, bambulala, bamnquma ikhanda, bathatha ikhanda lakhe, bahamba ngendlela yase-Araba ubusuku bonke.

[8]Baliyisa ikhanda lika-Ishi Boshethi kuDavide eHebroni, bathi enkosini: Nanti ikhanda lika-Ishi Bosheti indodana kaSawule; isitha sakho ebesifuna ukuphila kwakho; uJehova uphindisele namuhla inkosi yami, inkosi, kuSawule nakuyo inzalo yakhe.

[9] UDavide waphendula oRekabi noBahana umfowabo amadodana kaRimoni waseBeyeroti, wathi kubo: Kuphila kukaJehova ohlengile umphefumulo wami osizini lonke,

[10] umuntu owangitshela ukuthi: Bheka, uSawule ufile, ecabanga ukuthi ulethile izindaba ezinhle, ngambamba, ngambulala eSikilagi, ethi ngangiyakumnika umvuzo wezindaba zakhe;

[11]kakhulu kangakanani, lapho abantu ababi bebulele umuntu olungileyo endlini yakhe embhedeni wakhe, angiyikubiza igazi lakhe esandleni senu, nginisuse emhlabeni, na?

[12] Deu Davi ordem aos seus moços; eles, pois, os mataram e, tendo-lhes cortado as mãos e os pés, os penduraram junto ao açude em Hebrom; tomaram, porém, a cabeça de Isbosete, e a enterraram na sepultura de Abner, em Hebrom.

[12] UDavide wayeseyaleza izinsizwa zakhe, zababulala, zabanquma izandla nezinyawo, zabaphanyeka ngaseceleni kwechibi laseHebroni. Kepha bathatha ikhanda lika-Ishi Bosheti, balimbela ethuneni lika-Abineri eHebroni.

2 Samuel 5

Davi é ungido rei de todo o Israel
1 Crônicas 11.1-3

[1] Então, todas as tribos de Israel vieram a Davi, a Hebrom, e falaram, dizendo: Somos do mesmo povo de que tu és.

[2] Outrora, sendo Saul ainda rei sobre nós, eras tu que fazias entradas e saídas militares com Israel; também o SENHOR te disse: Tu apascentarás o meu povo de Israel e serás chefe sobre Israel.

[3] Assim, pois, todos os anciãos de Israel vieram ter com o rei, em Hebrom; e o rei Davi fez com eles aliança em Hebrom, perante o SENHOR. Ungiram Davi rei sobre Israel.

[4] Da idade de trinta anos era Davi quando começou a reinar; e reinou quarenta anos.

[5] Em Hebrom, reinou sobre Judá sete anos e seis meses; em Jerusalém, reinou trinta e três anos sobre todo o Israel e Judá.

Davi conquista Sião
1 Crônicas 11.4-9

[6] Partiu o rei com os seus homens para Jerusalém, contra os jebuseus que habitavam naquela terra e que disseram a

2 uSamuweli 5

UDavide ubusa izwe lonke

[1] Izizwe zonke zakwa-Israyeli zafika kuDavide eHebroni, zasho zathi: Bheka, thina siyithambo lakho nenyama yakho.

[2] Ngesikhathi esidlulileyo, uSawule eseyinkosi phezu kwethu, nguwe owakhipha nowangenisa u-Israyeli; uJehova wathi kuwe: Wena uyakwalusa abantu bami u-Israyeli, wena uyakuba ngumbusi wakwa-Israyeli.

[3] Kwase kufika onke amalunga akwa-Israyeli enkosini eHebroni; inkosi uDavide yenza isivumelwano nawo eHebroni phambi kukaJehova; amgcoba uDavide abe yinkosi kwa-Israyeli.

[4] UDavide wayeneminyaka engamashumi amathathu ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka engamashumi amane.

[5] EHebroni wabusa kwaJuda iminyaka eyisikhombisa nezinyanga eziyisithupha; eJerusalema wabusa iminyaka engamashumi amathathu nantathu kwa-Israyeli wonke nakwaJuda.

[6] Inkosi nabantu bayo baya eJerusalema ukulwa namaJebusi ayakhe kulelo zwe; asho kuDavide, athi: Awuyikungena

Davi: Não entrarás aqui, porque os cegos e os coxos te repelirão, como quem diz: Davi não entrará neste lugar.
7 Porém Davi tomou a fortaleza de Sião; esta é a Cidade de Davi.

8 Davi, naquele dia, mandou dizer: Todo o que está disposto a ferir os jebuseus suba pelo canal subterrâneo e fira os cegos e os coxos, a quem a alma de Davi aborrece. (Por isso, se diz: Nem cego nem coxo entrará na casa.)

9 Assim, habitou Davi na fortaleza e lhe chamou a Cidade de Davi; foi edificando em redor, desde Milo e para dentro.

10 Ia Davi crescendo em poder cada vez mais, porque o SENHOR, Deus dos Exércitos, era com ele.

O reinado de Davi reconhecido por Hirão

1 Crônicas 14.1-2

11 Hirão, rei de Tiro, enviou mensageiros a Davi, e madeira de cedro, e carpinteiros, e pedreiros, que edificaram uma casa a Davi.

12 Reconheceu Davi que o SENHOR o confirmara rei sobre Israel e que exaltara o seu reino por amor do seu povo.

Os filhos de Davi que nasceram em Jerusalém

1 Crônicas 3.5-9; 14.3-7

13 Tomou Davi mais concubinas e mulheres de Jerusalém, depois que viera de Hebrom, e nasceram-lhe mais filhos e filhas.

lapha; uyakususwa yizimpumputhe nezinyonga, ecabanga ukuthi uDavide angengene lapha.
7UDavide wathatha nokho inqaba yaseSiyoni engumuzi kaDavide.
8UDavide wathi ngalolo suku: Yilowo nalowo ochitha amaJebusi makasukele emseleni wamanzi izinyonga nezimpumputhe lezo ezizondwa ngumphefumulo kaDavide; ngalokho kuthiwa: Izimpumputhe nezinyonga azinakungena endlini.
9UDavide wahlala enqabeni, wayibiza ngokuthi umuzi kaDavide. UDavide wakha nxazonke kusukela eMilo kuya ngaphakathi.
10UDavide waqhubeka njalo ngokukhula, ngokuba uJehova uNkulunkulu Sebawoti wayenaye.

11 UHiramu inkosi yaseTire wathuma izithunywa kuDavide, nemisedari, nababazi bemithi, nabakhi; bamakhela uDavide indlu.
12UDavide waqonda ukuthi uJehova wayemmisile impela ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli nokuthi uphakamisile umbuso wakhe ngenxa yabantu bakhe u-Israyeli.

13 UDavide wazithathela ezinye izancinza nabafazi eJerusalema, esefikile evela eHebroni; uDavide wayesazalelwa amadodana namadodakazi.

[14] São estes os nomes dos que lhe nasceram em Jerusalém: Samua, Sobabe, Natã, Salomão,

[15] Ibar, Elisua, Nefegue, Jafia,

[16] Elisama, Eliada e Elifelete.

Davi derrota os filisteus

1 Crônicas 14.8-16

[17] Ouvindo, pois, os filisteus que Davi fora ungido rei sobre Israel, subiram todos para prender a Davi; ouvindo-o, desceu Davi à fortaleza.

[18] Mas vieram os filisteus e se estenderam pelo vale dos Refains.

[19] Davi consultou ao SENHOR, dizendo: Subirei contra os filisteus? Entregar-mos-ás nas mãos? Respondeu-lhe o SENHOR: Sobe, porque, certamente, entregarei os filisteus nas tuas mãos.

[20] Então, veio Davi a Baal-Perazim e os derrotou ali; e disse: Rompeu o SENHOR as fileiras inimigas diante de mim, como quem rompe águas. Por isso, chamou o nome daquele lugar Baal-Perazim.

[21] Os filisteus deixaram lá os seus ídolos; e Davi e os seus homens os levaram.

[22] Os filisteus tornaram a subir e se estenderam pelo vale dos Refains.

[23] Davi consultou ao SENHOR, e este lhe respondeu: Não subirás; rodeia por detrás deles e ataca-os por defronte das amoreiras.

[14] Nanka amagama abazalelwa eJerusalema: oShamuwa, noShobabi, noNathani, noSolomoni,

[15]noJibari, no-Elishuwa, noNefegi, noJafiya,

[16]no-Elishama, no-Eliyada, no-Elifeleti.

[17]Lapho amaFilisti esezwile ukuthi bamgcobile uDavide ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli, onke amaFilisti enyuka ukumfuna uDavide; uDavide wakuzwa, wehlela enqabeni.

[18]AmaFilisti esefikile ahlakazeka esiGodini samaRefa.

[19] UDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngiyakwenyuka, ngihlasele amaFilisti na? Uyakuwanikela esandleni sami na? UJehova wathi kuDavide: Yenyuka, ngokuba ngiyakuwanikela impela amaFilisti esandleni sakho.

[20] UDavide wafika eBali Pherasimi, uDavide wawachitha khona; wathi: UJehova ufohlile ezitheni zami phambi kwami njengokufohla kwamanzi. Ngalokho waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBali Pherasimi.

[21]Ashiya izithombe zawo lapho; uDavide nabantu bakhe bahamba nazo.

[22]AmaFilisti abuye enyuka, ahlakazeka esiGodini samaRefa.

[23]Lapho uDavide ebuza kuJehova, wathi yena: Awuyikwenyuka; gwegwesa emva kwawo, uwafikele malungana namajikijolo.

[24] E há de ser que, ouvindo tu um estrondo de marcha pelas copas das amoreiras, então, te apressarás: é o SENHOR que saiu diante de ti, a ferir o arraial dos filisteus.

[25] Fez Davi como o SENHOR lhe ordenara; e feriu os filisteus desde Geba até chegar a Gezer.

2 Samuel 6

Davi traz para Jerusalém a arca
1 Crônicas 13.5-14

[1] Tornou Davi a ajuntar todos os escolhidos de Israel, em número de trinta mil.

[2] Dispôs-se e, com todo o povo que tinha consigo, partiu para Baalá de Judá, para levarem de lá para cima a arca de Deus, sobre a qual se invoca o Nome, o nome do SENHOR dos Exércitos, que se assenta acima dos querubins.

[3] Puseram a arca de Deus num carro novo e a levaram da casa de Abinadabe, que estava no outeiro; e Uzá e Aiô, filhos de Abinadabe, guiavam o carro novo.

[4] Levaram-no com a arca de Deus, da casa de Abinadabe, que estava no outeiro; e Aiô ia adiante da arca.

[5] Davi e toda a casa de Israel alegravam-se perante o SENHOR, com toda sorte de instrumentos de pau de faia, com harpas, com saltérios, com tamboris, com pandeiros e com címbalos.

[24]Kuyakuthi lapho usuzwa umsindo wokuhamba ezihlokweni zamajikijolo, usheshe, ngokuba kuyilapho uJehova eyakube ephumile ngaphambi kwakho ukuchitha impi yamaFilisti.

[25]UDavide wenze njalo njengalokho uJehova emyalile, wachitha amaFilisti kusukela eGeba kuze kufike eGezeri.

2 uSamuweli 6

Umphongolo uyiswa eJerusalema

[1] UDavide wabuye wabutha bonke abakhethiweyo bakwa-Israyeli, izinkulungwane ezingamashumi amathathu.

[2] UDavide wahamba nabo bonke abantu ababe naye, besuka eBali Juda ukwenyusa khona umphongolo kaNkulunkulu obizwa ngeGama, lona igama likaJehova Sebawoti ohlala phezu kwamakherubi.

[3] Bawuhambisa umphongolo kaNkulunkulu ngengqukumbane entsha, bewukhipha endlini ka-Abinadaba eyayisegqumeni; o-Uza no-Ahiyo amadodana ka-Abinadaba bashayela leyo ngqukumbane entsha.

[4]Bayikhipha-ke endlini ka-Abinadaba eyayisegqumeni kanye nomphongolo; u-Ahiyo wahamba phambi komphongolo.

[5]UDavide kanye nendlu yonke ka-Israyeli bathokoza ebusweni bukaJehova benezinto zonke zokubetha zomsayipuresi, namahabhu, nezingubhu, nezigubhu, nobuxhaka, namasimbali.

[6] Quando chegaram à eira de Nacom, estendeu Uzá a mão à arca de Deus e a segurou, porque os bois tropeçaram.

[7] Então, a ira do SENHOR se acendeu contra Uzá, e Deus o feriu ali por esta irreverência; e morreu ali junto à arca de Deus.

[8] Desgostou-se Davi, porque o SENHOR irrompera contra Uzá; e chamou aquele lugar Perez-Uzá, até ao dia de hoje.

[9] Temeu Davi ao SENHOR, naquele dia, e disse: Como virá a mim a arca do SENHOR?

[10] Não quis Davi retirar para junto de si a arca do SENHOR, para a Cidade de Davi; mas a fez levar à casa de Obede-Edom, o geteu.

[11] Ficou a arca do SENHOR em casa de Obede-Edom, o geteu, três meses; e o SENHOR o abençoou e a toda a sua casa.

A arca é levada para Jerusalém
1 Crônicas 15.25—16.3

[12] Então, avisaram a Davi, dizendo: O SENHOR abençoou a casa de Obede-Edom e tudo quanto tem, por amor da arca de Deus; foi, pois, Davi e, com alegria, fez subir a arca de Deus da casa de Obede-Edom, à Cidade de Davi.

[13] Sucedeu que, quando os que levavam a arca do SENHOR tinham dado seis passos, sacrificava ele bois e carneiros cevados.

[6]Ekufikeni kwabo esibuyeni sikaNakoni u-Uza welulela isandla emphongolweni kaNkulunkulu, wawubamba, ngokuba izinkabi zashelela.

[7] Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Uza, uNkulunkulu wamshaya lapho ngenxa yesiphosiso sakhe; wafela khona ngasemphongolweni kaNkulunkulu.

[8]UDavide wadabuka ngokuba uJehova emhlasele u-Uza, wayibiza leyo ndawo ngokuthi iPheresi-Uza kuze kube namuhla.

[9]UDavide wamesaba uJehova ngalolo suku. Wathi: Umphongolo kaJehova uyakuza kanjani kimi na?

[10] Ngalokho uDavide akavumanga ukuwuletha umphongolo kaJehova kuye emzini kaDavide, kepha uDavide wawubuyisela eceleni endlini ka-Obede Edomi umGiti.

[11]Umphongolo kaJehova wahlala endlini ka-Obede Edomi umGiti izinyanga ezintathu; uJehova wambusisa u-Obede Edomi nendlu yakhe yonke.

[12] Kwatshelwa inkosi uDavide ukuthi uJehova ubusisile indlu ka-Obede Edomi nakho konke okwakhe ngenxa yomphongolo kaNkulunkulu. UDavide wahamba wenyusa umphongolo kaNkulunkulu endlini ka-Obede Edomi, wawuyisa emzini kaDavide ngokujabula.

[13] Kwakuthi ababethwele umphongolo kaJehova sebehambile izinyathelo

eziyisithupha, wahlaba inkabi nethole elikhuluphalisiweyo.

[14] Davi dançava com todas as suas forças diante do SENHOR; e estava cingido de uma estola sacerdotal de linho.

[14] UDavide wasina phambi kukaJehova ngamandla akhe onke; uDavide wayebhince ingubo yamahlombe yelineni.

[15] Assim, Davi, com todo o Israel, fez subir a arca do SENHOR, com júbilo e ao som de trombetas.

[15]Kanjalo uDavide nayo yonke indlu ka-Israyeli benyusa umphongolo kaJehova ngokukhamuluka nangokukhala kwecilongo.

[16] Ao entrar a arca do SENHOR na Cidade de Davi, Mical, filha de Saul, estava olhando pela janela e, vendo ao rei Davi, que ia saltando e dançando diante do SENHOR, o desprezou no seu coração.

[16] Kwathi umphongolo kaJehova ungena nje emzini kaDavide, uMikhali indodakazi kaSawule walunguza efasiteleni, wabona inkosi uDavide itshekula, isina phambi kukaJehova; wayidelela enhliziyweni yakhe.

[17] Introduziram a arca do SENHOR e puseram-na no seu lugar, na tenda que lhe armara Davi; e este trouxe holocaustos e ofertas pacíficas perante o SENHOR.

[17] Bawungenisa umphongolo kaJehova, bawubeka endaweni yawo phakathi kwetende uDavide alimisele wona; uDavide wanikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula phambi kukaJehova.

[18] Tendo Davi trazido holocaustos e ofertas pacíficas, abençoou o povo em nome do SENHOR dos Exércitos.

[18] UDavide eseqedile ukunikela ngomnikelo wokushiswa nangeminikelo yokuthula wabusisa abantu egameni likaJehova Sebawoti.

[19] E repartiu a todo o povo e a toda a multidão de Israel, tanto homens como mulheres, a cada um, um bolo de pão, um bom pedaço de carne e passas. Então, se retirou todo o povo, cada um para sua casa.

[19]Wababela bonke abantu esixukwini sonke sakwa-Israyeli, abesilisa nabesifazane, kwaba yilowo nalowo ucezu lwesinkwa, nesicubu senyama, nesigaxa sezithelo zomvini ezomileyo. Base behamba abantu bonke, baya, kwaba yilowo nalowo ekhaya lakubo.

Mical repreendida por Davi

[20] Voltando Davi para abençoar a sua casa, Mical, filha de Saul, saiu a encontrar-se com ele e lhe disse: Que bela figura fez o

[20]UDavide wayesebuya ukubusisa indlu yakhe. UMikhali indodakazi kaSawule waphuma ukumhlangabeza uDavide,

rei de Israel, descobrindo-se, hoje, aos olhos das servas de seus servos, como, sem pejo, se descobre um vadio qualquer!

wathi: Yeka udumo lwenkosi ka-Israyeli namuhla, ezambulile namuhla emehlweni ezincekukazi zezinceku zakhe njengomunye wamayiyane, ezambula nokuzambula.

[21] Disse, porém, Davi a Mical: Perante o SENHOR, que me escolheu a mim antes do que a teu pai e a toda a sua casa, mandando-me que fosse chefe sobre o povo do SENHOR, sobre Israel, perante o SENHOR me tenho alegrado.

[21]Wayesethi uDavide kuMikhali: Ngaphambi kukaJehova owangikhetha phezu kukayihlo naphezu kwayo yonke indlu yakhe ukungimisa ukuba ngibe ngumbusi wabantu bakaJehova kwa-Israyeli, yebo, ngaphambi kukaJehova ngathokoza.

[22] Ainda mais desprezível me farei e me humilharei aos meus olhos; quanto às servas, de quem falaste, delas serei honrado.

[22]Ngiyakudeleleka kakhulu kunalokho, ngithotshiswe nasemehlweni ami, kodwa izincekukazi okhulume ngazo ngiyakudunyiswa yizo.

[23] Mical, filha de Saul, não teve filhos, até ao dia da sua morte.

[23]UMikhali indodakazi kaSawule akazalanga mntwana kwaze kwaba lusuku lokufa kwakhe.

2 Samuel 7

A aliança do Senhor com Davi

1 Crônicas 17.1-15

[1] Sucedeu que, habitando o rei Davi em sua própria casa, tendo-lhe o SENHOR dado descanso de todos os seus inimigos em redor,

[2] disse o rei ao profeta Natã: Olha, eu moro em casa de cedros, e a arca de Deus se acha numa tenda.

[3] Disse Natã ao rei: Vai, faze tudo quanto está no teu coração, porque o SENHOR é contigo.

[4] Porém, naquela mesma noite, veio a palavra do SENHOR a Natã, dizendo:

2 uSamuweli 7

UNkulunkulu akamvumeli uDavide ukwakha ithempeli

[1] Kwathi lapho inkosi ihlala endlini yayo, uJehova eseyiphumuzile ezitheni zayo zonke, nxazonke,

[2] inkosi yathi kuNathani umprofethi: Bheka, mina ngihlala endlini yemisedari, kepha umphongolo kaNkulunkulu uhlala phakathi kwezilenge.

[3]UNathani wathi enkosini: Hamba wenze konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uJehova unawe.

[4]Kepha kwathi ngalobo busuku izwi likaJehova lafika kuNathani, lathi:

[5] Vai e dize a meu servo Davi: Assim diz o SENHOR: Edificar-me-ás tu casa para minha habitação?

[6] Porque em casa nenhuma habitei desde o dia em que fiz subir os filhos de Israel do Egito até ao dia de hoje; mas tenho andado em tenda, em tabernáculo.

[7] Em todo lugar em que andei com todos os filhos de Israel, falei, acaso, alguma palavra com qualquer das suas tribos, a quem mandei apascentar o meu povo de Israel, dizendo: Por que não me edificais uma casa de cedro?

[8] Agora, pois, assim dirás ao meu servo Davi: Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Tomei-te da malhada, de detrás das ovelhas, para que fosses príncipe sobre o meu povo, sobre Israel.

[9] E fui contigo, por onde quer que andaste, eliminei os teus inimigos diante de ti e fiz grande o teu nome, como só os grandes têm na terra.

[10] Prepararei lugar para o meu povo, para Israel, e o plantarei, para que habite no seu lugar e não mais seja perturbado, e jamais os filhos da perversidade o aflijam, como dantes,

[11] desde o dia em que mandei houvesse juízes sobre o meu povo de Israel. Dar-te-ei, porém, descanso de todos os teus

[5] Hamba uyitshele inceku yami uDavide ukuthi: Usho kanje uJehova, uthi: Uyakungakhela indlu ukuba ngihlale kuyo na?

[6]Ngokuba angihlalanga ndlu kusukela osukwini engakhuphula ngalo abantwana bakwa-Israyeli eGibithe kuze kube namuhla, kepha ngangilokhu ngihamba etendeni nasetabernakele.

[7]Ezindaweni zonke engihambahambe kuzo nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli ngake ngakhuluma yini izwi noma kusiphi isizwe sakwa-Israyeli engasiyaleza ukwalusa abantu bami u-Israyeli ukuthi: Aningakhelanga ngani indlu yemisedari na?

[8] Ngalokho uyakusho kanje encekwini yami uDavide, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Mina ngakuthatha edlelweni ekwaluseni izimvu ukuba ube ngumbusi wabantu bami kwa-Israyeli;

[9]nganginawe nomaphi lapho wawuya khona, nganquma zonke izitha zakho ngaphambi kwakho; ngiyakukwenza igama elikhulu njengegama labakhulu abasemhlabeni.

[10] Ngiyakumisela abantu bami u-Israyeli indawo, ngibatshale ukuba bahlale endaweni yabo, bangabe besanyakaziswa; futhi abantu ababi abasayikubahlupha njengakuqala,

[11]kusukela osukwini engayaleza ngalo abahluleli ukuba babe phezu kwabantu bami u-Israyeli, ngikuphumuze ezitheni zakho zonke. Futhi uJehova uyakutshela

inimigos; também o SENHOR te faz saber que ele, o SENHOR, te fará casa.

12 Quando teus dias se cumprirem e descansares com teus pais, então, farei levantar depois de ti o teu descendente, que procederá de ti, e estabelecerei o seu reino.

13 Este edificará uma casa ao meu nome, e eu estabelecerei para sempre o trono do seu reino.

14 Eu lhe serei por pai, e ele me será por filho; se vier a transgredir, castigá-lo-ei com varas de homens e com açoites de filhos de homens.

15 Mas a minha misericórdia se não apartará dele, como a retirei de Saul, a quem tirei de diante de ti.

16 Porém a tua casa e o teu reino serão firmados para sempre diante de ti; teu trono será estabelecido para sempre.

17 Segundo todas estas palavras e conforme toda esta visão, assim falou Natã a Davi.

Ações de graças de Davi

1 Crônicas 17.16-27

18 Então, entrou o rei Davi na Casa do SENHOR, ficou perante ele e disse: Quem sou eu, SENHOR Deus, e qual é a minha casa, para que me tenhas trazido até aqui?

19 Foi isso ainda pouco aos teus olhos, SENHOR Deus, de maneira que também falaste a respeito da casa de teu servo para tempos distantes; e isto é instrução para todos os homens, ó SENHOR Deus.

ukuthi uJehova uyakukwenzela wena indlu.

12 Kuyakuthi lapho izinsuku zakho seziphelile, ube usulele koyihlo, ngiyakumisa inzalo yakho emva kwakho eyakuphuma ezibilinini zakho, ngiqinise umbuso wayo.

13 Yiyo eyakwakhela igama lami indlu; ngiyakuqinisa isihlalo sobukhosi sombuso wayo kuze kube phakade.

14 Mina ngiyakuba nguyise, yona ibe yindodana yami; uma yenza okubi, ngiyakuyilaya ngenduku yabantu nangemivimbo yabantwana babantu,

15 kepha umusa wami awuyikusuka kuyo, njengalokho ngawususa kuSawule engamsusa ngaphambi kwakho.

16 Indlu yakho nombuso wakho kuyakuqiniswa njalo phambi kwakho; isihlalo sakho sobukhosi siyakumiswa kuze kube phakade.

17 Njengawo onke lawo mazwi nanjengawo wonke lowo mbono uNathani wakhuluma kuDavide.

Umkhuleko kaDavide

18 UDavide inkosi wayesengena, wahlala phambi kukaJehova, wathi: Ngingubani, Nkosi Jehova, nendlu yami iyini, ukuze ungilethe kuze kube lapha, na?

19 Lokho kwakuyinto encane nje nokho emehlweni akho, Nkosi Jehova, kepha ukhulumile futhi ngendlu yenceku yakho isekude, ukukhulume futhi ngendlela yabantu, Nkosi Jehova.

[20] Que mais ainda te poderá dizer Davi? Pois tu conheces bem a teu servo, ó SENHOR Deus.

[21] Por causa da tua palavra e segundo o teu coração, fizeste toda esta grandeza, dando-a a conhecer a teu servo.

[22] Portanto, grandíssimo és, ó SENHOR Deus, porque não há semelhante a ti, e não há outro Deus além de ti, segundo tudo o que nós mesmos temos ouvido.

[23] Quem há como o teu povo, como Israel, gente única na terra, a quem tu, ó Deus, foste resgatar para ser teu povo? E para fazer a ti mesmo um nome e fazer a teu povo estas grandes e tremendas coisas, para a tua terra, diante do teu povo, que tu resgataste do Egito, desterrando as nações e seus deuses?

[24] Estabeleceste teu povo Israel por teu povo para sempre e tu, ó SENHOR, te fizeste o seu Deus.

[25] Agora, pois, ó SENHOR Deus, quanto a esta palavra que disseste acerca de teu servo e acerca da sua casa, confirma-a para sempre e faze como falaste.

[26] Seja para sempre engrandecido o teu nome, e diga-se: O SENHOR dos Exércitos é Deus sobre Israel; e a casa de Davi, teu servo, será estabelecida diante de ti.

[20] UDavide angenezela ngokuthini kuwe na? Wena uyayazi inceku yakho, Nkosi Jehova.

[21]Ngenxa yezwi lakho nanjengokwenhliziyo yakho wenzile konke lokho okukhulu ukuba ukwazise inceku yakho.

[22] Ngalokho umkhulu, Nkosi Jehova, ngokuba akakho onjengawe, akukho uNkulunkulu ngaphandle kwakho njengakho konke esikuzwileyo ngezindlebe zethu.

[23] Yisiphi isizwe nesisodwa emhlabeni esinjengabantu bakho u-Israyeli, uNkulunkulu ayakuzihlengela bona ukuba babe ngabantu bakhe, azenzele igama, anenzele nina izinto ezinkulu, alenzele izwe lakini izinto ezesabekayo phambi kwabantu bakho owazihlengela bona eGibithe ezizweni nakubo onkulunkulu bazo, na?

[24]Wazimisela ukuba abantu bakho u-Israyeli babe ngabantu bakho kuze kube phakade, wena Jehova ube nguNkulunkulu wabo.

[25] Manje, Jehova Nkulunkulu, izwi olikhulumile ngenceku yakho nangendlu yayo, liqinise kuze kube phakade, wenze njengokukhuluma kwakho.

[26]Malibe likhulu igama lakho kuze kube phakade ukuze kuthiwe: UJehova Sebawoti unguNkulunkulu ka-Israyeli, indlu yenceku yakho uDavide imiswe ngaphambi kwakho.

[27] Pois tu, ó SENHOR dos Exércitos, Deus de Israel, fizeste ao teu servo esta revelação, dizendo: Edificar-te-ei casa. Por isso, o teu servo se animou para fazer-te esta oração.

[28] Agora, pois, ó SENHOR Deus, tu mesmo és Deus, e as tuas palavras são verdade, e tens prometido a teu servo este bem.

[29] Sê, pois, agora, servido de abençoar a casa do teu servo, a fim de permanecer para sempre diante de ti, pois tu, ó SENHOR Deus, o disseste; e, com a tua bênção, será, para sempre, bendita a casa do teu servo.

2 Samuel 8

Diversas vitórias de Davi

1 Crônicas 18.1-13

[1] Depois disto, feriu Davi os filisteus e os sujeitou; e tomou de suas mãos as rédeas da metrópole.

[2] Também derrotou os moabitas; fê-los deitar em terra e os mediu: duas vezes um cordel, para os matar; uma vez um cordel, para os deixar com vida. Assim, ficaram os moabitas por servos de Davi e lhe pagavam tributo.

[3] Também Hadadezer, filho de Reobe, rei de Zobá, foi derrotado por Davi, quando aquele foi restabelecer o seu domínio sobre o rio Eufrates.

[27] Ngokuba wena Jehova Sebawoti, Nkulunkulu ka-Israyeli, wambulele endlebeni yenceku yakho ukuthi: Ngiyakukwakhela indlu; ngalokho inceku yakho ithole isibindi sokukhuleka lo mkhuleko kuwe.

[28]Manje, Nkosi Jehova, wena unguNkulunkulu, namazwi akho ayiqiniso, uthembisile inceku yakho lokhu okuhle;

[29]ngalokho-ke mawuvume ukubusisa indlu yenceku yakho ukuba ibe sebusweni bakho kuze kube phakade, ngokuba wena Nkosi, Jehova, ukukhulumile; ngesibusiso sakho mayibusiswe indlu yenceku yakho kuze kube phakade.

2 uSamuweli 8

Ukunqoba kukaDavide amazwe. Izinduna zakhe

[1] Kwathi emva kwalokho uDavide wawashaya amaFilisti, wawahlula, wathatha itomu lomzimkhulu esandleni samaFilisti.

[2] Washaya nabakwaMowabi, wabalinganisa ngentambo, wabalalisa emhlabathini, wabalinganisa ngezintambo ezimbili abayakubulawa nangentambo epheleleyo abayakusindiswa. AbakwaMowabi base beba yizinceku zikaDavide, bathela intela.

[3] UDavide wamshaya uHadadezeri indodana kaRehobe, inkosi yaseSoba, ekuhambeni kwakhe ukubuyisa umbuso wakhe ngasemfuleni.

[4] Tomou-lhe Davi mil e setecentos cavaleiros e vinte mil homens de pé; Davi jarretou todos os cavalos dos carros, menos para cem deles.

[5] Vieram os siros de Damasco a socorrer Hadadezer, rei de Zobá; porém Davi matou dos siros vinte e dois mil homens.

[6] Davi pôs guarnições na Síria de Damasco, e os siros ficaram por servos de Davi e lhe pagavam tributo; e o SENHOR dava vitórias a Davi, por onde quer que ia.

[7] Tomou Davi os escudos de ouro que havia com os oficiais de Hadadezer e os trouxe a Jerusalém.

[8] Tomou mais o rei Davi mui grande quantidade de bronze de Betá e de Berotai, cidades de Hadadezer.

[9] Então, ouvindo Toí, rei de Hamate, que Davi derrotara a todo o exército de Hadadezer,

[10] mandou seu filho Jorão ao rei Davi, para o saudar e congratular-se com ele por haver pelejado contra Hadadezer e por havê-lo ferido (porque Hadadezer de contínuo fazia guerra a Toí). Jorão trouxe consigo objetos de prata, de ouro e de bronze,

[11] os quais também o rei Davi consagrou ao SENHOR, juntamente com a prata e o

[4] UDavide wamaphuca abamahhashi abayinkulungwane namakhulu ayisikhombisa nemigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amabili; uDavide wanquma imisipha yawo onke amahhashi ezinqola, washiya awezinqola eziyikhulu kodwa.

[5]Ama-Aramu aseDamaseku esefika ukumsiza uHadadezeri inkosi yaseSoba, uDavide wabulala abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili kuma-Aramu.

[6]UDavide wamisa amakhanda e-Aramu laseDamaseku, ama-Aramu aba yizinceku zikaDavide, athela intela. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi lapho eya khona.

[7]UDavide wathatha izihlangu zegolide ezazisezincekwini zikaHadadezeri, waziletha eJerusalema.

[8]Emizini kaHadadezeri iBetha neBerothayi inkosi uDavide yathatha ithusi eliningi kakhulu.

[9]Lapho uThoyi inkosi yaseHamati ezwa ukuthi uDavide ushayile yonke impi kaHadadezeri,

[10]uThoyi wathuma uJoramu indodana yakhe enkosini uDavide ukuyibingelela nokuyibusisa, ngokuba yayilwile noHadadezeri, yamnqoba, ngokuba uHadadezeri wayelokhu elwa noThoyi; esandleni sakhe wayenezitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezitsha zethusi.

[11]Nalezo inkosi uDavide yazingcwelisela uJehova kanye nesiliva negolide

ouro que já havia consagrado de todas as nações que sujeitara:

[12] da Síria, de Moabe, dos filhos de Amom, dos filisteus, de Amaleque e dos despojos de Hadadezer, filho de Reobe, rei de Zobá.

[13] Ganhou Davi renome, quando, ao voltar de ferir os siros, matou dezoito mil homens no vale do Sal.

[14] Pôs guarnições em Edom, em todo o Edom pôs guarnições, e todos os edomitas ficaram por servos de Davi; e o SENHOR dava vitórias a Davi, por onde quer que ia.

Oficiais de Davi

2 Samuel 20.23-26; 1 Crônicas 18.14-17

[15] Reinou, pois, Davi sobre todo o Israel; julgava e fazia justiça a todo o seu povo.

[16] Joabe, filho de Zeruia, era comandante do exército; Josafá, filho de Ailude, era cronista.

[17] Zadoque, filho de Aitube, e Aimeleque, filho de Abiatar, eram sacerdotes, e Seraías, escrivão.

[18] E Benaia, filho de Joiada, era o comandante da guarda real. Os filhos de Davi, porém, eram seus ministros.

2 Samuel 9

A bondade de Davi para com o filho de Jônatas

[1] Disse Davi: Resta ainda, porventura, alguém da casa de Saul, para que use eu de bondade para com ele, por amor de Jônatas?

eyayilingcwelisile livela ezizweni zonke eyayizahlulile:

[12]e-Aramu, nakwaMowabi, nakubantwana bakwa-Amoni, nakumaFilisti, naku-Amaleki, nasempangweni kaHadadezeri indodana kaRehobe, inkosi yaseSoba.

[13] UDavide wazenzela igama ekubuyeni kwakhe esebulele ama-Aramu ayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili esiGodini sikaSawoti.

[14] Wamisa amakhanda kwa-Edomi; kulo lonke lakwa-Edomi wamisa amakhanda, nabo bonke abakwa-Edomi baba yizinceku zikaDavide. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi lapho eya khona.

[15]UDavide wabusa phezu kuka-Israyeli wonke, uDavide waphatha ukwahlulela nokulunga kubo bonke abantu bakhe.

[16] UJowabe indodana kaSeruya wayephezu kwempi, uJehoshafati indodana ka-Ahiludi wayengumabhalana; [17]uSadoki indodana ka-Ahithubi no-Ahimeleki indodana ka-Abiyathara babe ngabapristi; uSeraya wayengumbhali; [18]uBenaya indodana kaJehoyada wayephezu kwamaKhereti namaPheleti; amadodana kaDavide ayengabapristi.

2 uSamuweli 9

UDavide uphatha kahle uMefibosheti

[1]UDavide wathi: Usekhona yini osele endlini kaSawule ukuba ngimenzele umusa ngenxa kaJonathani na?

[2] Havia um servo na casa de Saul cujo nome era Ziba; chamaram-no que viesse a Davi. Perguntou-lhe o rei: És tu Ziba? Respondeu: Eu mesmo, teu servo.
[3] Disse-lhe o rei: Não há ainda alguém da casa de Saul para que use eu da bondade de Deus para com ele? Então, Ziba respondeu ao rei: Ainda há um filho de Jônatas, aleijado de ambos os pés.
[4] E onde está? Perguntou-lhe o rei. Ziba lhe respondeu: Está na casa de Maquir, filho de Amiel, em Lo-Debar.

[5] Então, mandou o rei Davi trazê-lo de Lo-Debar, da casa de Maquir, filho de Amiel.

[6] Vindo Mefibosete, filho de Jônatas, filho de Saul, a Davi, inclinou-se, prostrando-se com o rosto em terra. Disse-lhe Davi: Mefibosete! Ele disse: Eis aqui teu servo!
[7] Então, lhe disse Davi: Não temas, porque usarei de bondade para contigo, por amor de Jônatas, teu pai, e te restituirei todas as terras de Saul, teu pai, e tu comerás pão sempre à minha mesa.
[8] Então, se inclinou e disse: Quem é teu servo, para teres olhado para um cão morto tal como eu?

[9] Chamou Davi a Ziba, servo de Saul, e lhe disse: Tudo o que pertencia a Saul e toda a sua casa dei ao filho de teu senhor.

[10] Trabalhar-lhe-ás, pois, a terra, tu, e teus filhos, e teus servos, e recolherás os frutos, para que a casa de teu senhor tenha pão que coma; porém Mefibosete, filho de teu

[2]Kwakukhona endlini kaSawule inceku egama layo linguSiba; bambizela kuDavide; inkosi yathi kuye: UnguSiba na? Wathi: Inceku yakho inguye.
[3] Inkosi yayisithi: Akusekho endlini kaSawule noyedwa engingamenzela umusa kaNkulunkulu na? USiba wathi enkosini: UJonathani usenendodana elunyonga ngezinyawo.
[4] Yathi inkosi kuye: Iphi na? USiba wathi enkosini: Bheka, isendlini kaMakiri indodana ka-Amiyeli eLo Debari.
[5]Inkosi uDavide yayisithuma yamlanda endlini kaMakiri indodana ka-Amiyeli waseLo Debari.
[6]UMefibosheti indodana kaJonathani kaSawule wafika kuDavide, wawa ngobuso, wakhuleka. UDavide wathi: Mefibosheti. Wathi: Nansi inceku yakho.
[7]UDavide wayesethi kuye: Ungesabi, ngokuba impela ngiyakukwenzela umusa ngenxa kaJonathani uyihlo, ngikubuyisele lonke izwe likayihlo uSawule, udle njalo etafuleni lami.

[8] Wakhuleka wathi: Iyini inceku yakho ukuba ubheke inja efileyo njengami na?

[9]Inkosi yayisimbiza uSiba inceku kaSawule, yathi kuye: Konke okukaSawule nokwendlu yakhe yonke ngikunike indodana yenkosi yakho.
[10]Uyakumlimela umhlabathi, wena namadodana akho nezinceku zakho, uvune ukuba indodana yenkosi yakho ibe nokudla, kepha uMefibosheti indodana

senhor, comerá pão sempre à minha mesa. Tinha Ziba quinze filhos e vinte servos.

[11] Disse Ziba ao rei: Segundo tudo quanto meu senhor, o rei, manda a seu servo, assim o fará. Comeu, pois, Mefibosete à mesa de Davi, como um dos filhos do rei.

[12] Tinha Mefibosete um filho pequeno, cujo nome era Mica. Todos quantos moravam em casa de Ziba eram servos de Mefibosete.

[13] Morava Mefibosete em Jerusalém, porquanto comia sempre à mesa do rei. Ele era coxo de ambos os pés.

2 Samuel 10

Davi derrota os amonitas e os siros

1 Crônicas 19.1-19

[1] Depois disto, morreu o rei dos filhos de Amom, e seu filho Hanum reinou em seu lugar.

[2] Então, disse Davi: Usarei de bondade para com Hanum, filho de Naás, como seu pai usou de bondade para comigo. E enviou Davi servos seus para o consolar acerca de seu pai; e vieram os servos de Davi à terra dos filhos de Amom.

[3] Mas os príncipes dos filhos de Amom disseram a seu senhor, Hanum: Pensas que, por Davi te haver mandado consoladores, está honrando a teu pai? Porventura, não te enviou ele os seus

yenkosi yakho uyakudla njalo etafuleni lami. USiba wayenamadodana ayishumi nanhlanu nezinceku ezingamashumi amabili.

[11]USiba wathi enkosini: Njengakho konke inkosi yami, inkosi, eyale ngakho inceku yayo, iyakwenze njalo inceku yakho. UMefibosheti uyakudla etafuleni lenkosi njengenye yamadodana enkosi.

[12]UMefibosheti wayenendodana encane egama layo linguMika. Bonke ababehlala endlini kaSiba babe yizinceku zikaMefibosheti.

[13]UMefibosheti wayesehlala eJerusalema, ngokuba wadla njalo etafuleni lenkosi; wayelunyonga ngezinyawo zakhe zombili.

2 uSamuweli 10

Abakwa-Amoni badlala ngezigijimi zikaDavide. Bona nama-Aramu bachithwa nguDavide

[1] Kwathi emva kwalokho inkosi yabantwana bakwa-Amoni yafa, uHanuni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sayo.

[2]UDavide wathi: Ngiyakumenzela umusa uHanuni indodana kaNahashi, njengalokho uyise angenzela umusa. UDavide wayesethuma ngesandla sezinceku zakhe ukumduduza ngoyise. Zafika-ke izinceku zikaDavide ezweni labantwana bakwa-Amoni.

[3]Kepha izikhulu zabantwana bakwa-Amoni zathi kuHanuni inkosi yazo: Imbala ngokubona kwakho uDavide uthume abaduduzi kuwe ukuba atuse uyihlo na? UDavide akazithumanga yini

servos para reconhecerem a cidade, espiá-la e destruí-la?

4 Tomou, então, Hanum os servos de Davi, e lhes rapou metade da barba, e lhes cortou metade das vestes até às nádegas, e os despediu.

5 Sabedor disso, enviou Davi mensageiros a encontrá-los, porque estavam sobremaneira envergonhados. Mandou o rei dizer-lhes: Deixai-vos estar em Jericó, até que vos torne a crescer a barba; e, então, vinde.

6 Vendo, pois, os filhos de Amom que se haviam tornado odiosos a Davi, mandaram mensageiros tomar a soldo vinte mil homens de pé dos siros de Bete-Reobe e dos siros de Zobá, mil homens do rei de Maaca e doze mil de Tobe.

7 O que ouvindo Davi, enviou contra eles a Joabe com todo o exército dos valentes.

8 Saíram os filhos de Amom e ordenaram a batalha à entrada da porta, e os siros de Zobá e Reobe e os homens de Tobe e Maaca estavam à parte no campo.

9 Vendo, pois, Joabe que estava preparada contra ele a batalha, tanto pela frente como pela retaguarda, escolheu dentre todos o que havia de melhor em Israel e os formou em linha contra os siros;

izinceku zakhe kuwe ukuba ziphenye umuzi, ziwuhlole, ziwuchithe, na?

4UHanuni wayesebamba izinceku zikaDavide, waphucula inxenye yezilevu zazo, wahina izingubo zazo phakathi kwaze kwaba sezinqeni zazo, wazimukisa.

5Lapho sebemtshela uDavide lokho, wathumela ukuzihlangabeza, ngokuba ayenamahloni kakhulu lawo madoda. Yathi inkosi: Hlalani eJeriko, zize zihlume izilevu zenu, bese nibuya.

6Abantwana bakwa-Amoni sebebone ukuthi banengekile kuDavide, abakwa-Amoni bathuma baqasha ama-Aramu aseBeti Rehobe nama-Aramu aseSoba, imigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amabili, nenkosi yaseMahakha inabantu abayinkulungwane, nabantu baseThobi beyizinkulungwane eziyishumi nambili.

7UDavide esezwile lokho wamthuma uJowabe nempi yonke yamaqhawe.

8 Abantwana bakwa-Amoni baphuma, bahlela impi ngasesikhaleni sesango; ama-Aramu aseSoba naseRehobe, nabantu baseThobi, nabaseMahakha babebodwa endle.

9Kepha uJowabe esebona ukuthi izimpondo zempi zimhaqile ngaphambili nangasemuva wakhetha kwabakhethekileyo bakwa-Israyeli, wabahlela ukuba balwe nama-Aramu;

[10] e o resto do povo, entregou-o a Abisai, seu irmão, o qual o formou em linha contra os filhos de Amom.

[11] Disse Joabe: Se os siros forem mais fortes do que eu, tu me virás em socorro; e, se os filhos de Amom forem mais fortes do que tu, eu irei ao teu socorro.

[12] Sê forte, pois; pelejemos varonilmente pelo nosso povo e pelas cidades de nosso Deus; e faça o SENHOR o que bem lhe parecer.

[13] Então, avançou Joabe com o povo que estava com ele, e travaram peleja contra os siros; e estes fugiram de diante deles.

[14] Vendo os filhos de Amom que os siros fugiam, também eles fugiram de diante de Abisai e entraram na cidade; voltou Joabe dos filhos de Amom e tornou a Jerusalém.

[15] Vendo, pois, os siros que tinham sido desbaratados diante de Israel, tornaram a refazer-se.

[16] E Hadadezer fez sair os siros que estavam do outro lado do rio, e vieram a Helã; Sobaque, chefe do exército de Hadadezer, marchava adiante deles.

[17] Informado Davi, ajuntou a todo o Israel, passou o Jordão e foi a Helã; os siros se puseram em ordem de batalha contra Davi e pelejaram contra ele.

[18] Porém os siros fugiram de diante de Israel, e Davi matou dentre os siros os homens de setecentos carros e quarenta mil homens de cavalo; também feriu a

[10]abantu abaseleyo wababeka esandleni sika-Abishayi umfowabo, wabahlela ukuba balwe nabantwana bakwa-Amoni.

[11]Wathi: Uma ama-Aramu engahlula, uyakungisiza; kepha uma abantwana bakwa-Amoni bekwahlula, ngiyakufika ngikusize.

[12]Qinani, masiziqinise ngenxa yabantu bakithi nangenxa yemizi kaNkulunkulu wethu; uJehova makenze okuhle emehlweni akhe.

[13]UJowabe nabantu ababe naye base besondela ukuba balwe nama-Aramu; kepha abaleka phambi kwakhe.

[14]Lapho abantwana bakwa-Amoni bebona ukuthi ama-Aramu abalekile, babaleka nabo phambi kuka-Abishayi, bangena emzini. UJowabe wayesebuya kubantwana bakwa-Amoni, weza eJerusalema.

[15]Ama-Aramu esebonile ukuthi anqotshiwe phambi kuka-Israyeli, abuthana ndawonye.

[16]UHadadezeri wathuma wakhipha ama-Aramu ayephesheya koMfula; afika eHelamu, uShobaki induna yempi kaHadadezeri ephambi kwawo.

[17]UDavide watshelwa, wabutha wonke u-Israyeli, wawela iJordani, wafika eHelamu. Ama-Aramu azihlela ukuhlangabezana noDavide, alwa naye.

[18]Ama-Aramu abaleka phambi kuka-Israyeli; uDavide wabulala kuma-Aramu izinqola ezingamakhulu ayisikhombisa nabamahhashi abayizinkulungwane

Sobaque, chefe do exército, de tal sorte que morreu ali.

ezingamashumi amane, wamshaya uShobaki induna yempi yabo, wafela khona lapho.

[19] Vendo, pois, todos os reis, servos de Hadadezer, que foram vencidos, fizeram paz com Israel e o serviram; e temeram os siros de ainda socorrer aos filhos de Amom.

[19]Lapho onke amakhosi ayeyizinceku zikaHadadezeri ebonile ukuthi anqotshiwe phambi kuka-Israyeli, enza ukuthula no-Israyeli, abakhonza. Ama-Aramu ayesesaba ukusiza abantwana bakwa-Amoni futhi.

2 Samuel 11

Davi comete adultério com Bate-Seba

[1] Decorrido um ano, no tempo em que os reis costumam sair para a guerra, enviou Davi a Joabe, e seus servos, com ele, e a todo o Israel, que destruíram os filhos de Amom e sitiaram Rabá; porém Davi ficou em Jerusalém.

[2] Uma tarde, levantou-se Davi do seu leito e andava passeando no terraço da casa real; daí viu uma mulher que estava tomando banho; era ela mui formosa.

[3] Davi mandou perguntar quem era. Disseram-lhe: É Bate-Seba, filha de Eliã e mulher de Urias, o heteu.

[4] Então, enviou Davi mensageiros que a trouxessem; ela veio, e ele se deitou com ela. Tendo-se ela purificado da sua imundícia, voltou para sua casa.

[5] A mulher concebeu e mandou dizer a Davi: Estou grávida.

Davi e Urias

2 uSamuweli 11

Isono sikaDavide noBati Sheba

[1] Emva komnyaka ngesikhathi sokuhlasela kwamakhosi uDavide wamthuma uJowabe nezinceku zakhe zinaye kanye no-Israyeli wonke, babachitha abantwana bakwa-Amoni, bavimbezela iRaba; kepha uDavide wahlala eJerusalema.

[2]Kwathi kusihlwa uDavide wavuka embhedeni, wahamba ophahleni lwendlu yenkosi, wabona esesophahleni owesifazane egeza; owesifazane wayemuhle kakhulu, ebukeka.

[3]UDavide wathuma wabuza ngalowo wesifazane. Omunye wathi: Lowo akasiye uBati Sheba yini, indodakazi ka-Eliyamu, umka-Uriya umHeti, na?

[4] UDavide wathuma izithunywa, wamthatha; wangena kuye, walala naye, ngokuba wayesehlambulukile yena ekungcoleni kwakhe; wabuyela ekhaya.

[5]Owesifazane wamitha, wathuma wamtshela uDavide, wathi: Ngikhulelwe.

[6] Então, enviou Davi mensageiros a Joabe, dizendo: Manda-me Urias, o heteu. Joabe enviou Urias a Davi.
[7] Vindo, pois, Urias a Davi, perguntou este como passava Joabe, como se achava o povo e como ia a guerra.

[8] Depois, disse Davi a Urias: Desce a tua casa e lava os pés. Saindo Urias da casa real, logo se lhe seguiu um presente do rei.

[9] Porém Urias se deitou à porta da casa real, com todos os servos do seu senhor, e não desceu para sua casa.

[10] Fizeram-no saber a Davi, dizendo: Urias não desceu a sua casa. Então, disse Davi a Urias: Não vens tu de uma jornada? Por que não desceste a tua casa?

[11] Respondeu Urias a Davi: A arca, Israel e Judá ficam em tendas; Joabe, meu senhor, e os servos de meu senhor estão acampados ao ar livre; e hei de eu entrar na minha casa, para comer e beber e para me deitar com minha mulher? Tão certo como tu vives e como vive a tua alma, não farei tal coisa.

[12] Então, disse Davi a Urias: Demora-te aqui ainda hoje, e amanhã te despedirei. Urias, pois, ficou em Jerusalém aquele dia e o seguinte.

[13] Davi o convidou, e comeu e bebeu diante dele, e o embebedou; à tarde, saiu

[6]UDavide wayesethumela kuJowabe ngokuthi: Thuma kimi u-Uriya umHeti. UJowabe wamthuma u-Uriya kuDavide.
[7]Esefikile kuye u-Uriya, uDavide wabuza kuye impilo yakhe, nempilo yabantu, nokuthi impi ihamba kanjani.
[8]UDavide wayesethi ku-Uriya: Yehla uye endlini yakho, ugeze izinyawo zakho. U-Uriya waphuma endlini yenkosi, kwamlandela isipho sokudla esivela enkosini.
[9]Kepha u-Uriya walala ngasemnyango wendlu yenkosi kanye nazo zonke izinceku zenkosi yakhe, akehlelanga endlini yakhe.
[10]UDavide esetsheliwe ukuthi u-Uriya akehlelanga endlini yakhe, uDavide wathi ku-Uriya: Awubuyi ekuhambeni yini? Awehlelanga ngani endlini yakho na?
[11] U-Uriya wathi kuDavide: Umphongolo, no-Israyeli, noJuda bahlezi emadokodweni; inkosi yami uJowabe nezinceku zenkosi yami zimisile endle; mina-ke, pho, ngingene endlini yami, ngidle, ngiphuze, ngilale nomkami na? Kuphila kwakho nokuphila komphefumulo wakho, angiyikuyenza leyo nto.
[12]Wayesethi uDavide ku-Uriya: Hlala lapha nanamuhla; kusasa ngiyakukuvumela ukuba uhambe. U-Uriya wayesehlala eJerusalema lolo suku nolulandelayo.
[13]Esebiziwe nguDavide wadla waphuza phambi kwakhe; wamdakisa; kusihlwa

Urias a deitar-se na sua cama, com os servos de seu senhor; porém não desceu a sua casa.

waphuma ukuyolala embhedeni wakhe kanye nezinceku zenkosi, kepha akehlelanga endlini yakhe.

A morte de Urias

14 Pela manhã, Davi escreveu uma carta a Joabe e lha mandou por mão de Urias.

14Kwathi ekuseni uDavide wamlobela uJowabe incwadi, wayithuma ngesandla sika-Uriya.

15 Escreveu na carta, dizendo: Ponde Urias na frente da maior força da peleja; e deixai-o sozinho, para que seja ferido e morra.

15Waloba encwadini ukuthi: Misani u-Uriya ngaphambili, lapho impi ishisa khona, nihlehle kuye ukuba ashaywe, afe.

16 Tendo, pois, Joabe sitiado a cidade, pôs a Urias no lugar onde sabia que estavam homens valentes.

16Kwathi uJowabe esahlozinga umuzi, wammisa u-Uriya endaweni lapho azi ukuthi kukhona amadoda anamandla.

17 Saindo os homens da cidade e pelejando com Joabe, caíram alguns do povo, dos servos de Davi; e morreu também Urias, o heteu.

17Abantu bomuzi baphuma balwa noJowabe; kwawa abantu abathile ezincekwini zikaDavide; wafa naye u-Uriya umHeti.

18 Então, Joabe enviou notícias e fez saber a Davi tudo o que se dera na batalha.

18UJowabe wayesethuma wamtshela uDavide zonke izindaba zempi;

19 Deu ordem ao mensageiro, dizendo: Se, ao terminares de contar ao rei os acontecimentos desta peleja,

19wasiyala isithunywa ngokuthi: Lapho uqedile ukuyitshela inkosi zonke izindaba zempi,

20 suceder que ele se encolerize e te diga: Por que vos chegastes assim perto da cidade a pelejar? Não sabíeis vós que haviam de atirar do muro?

20kuyakuthi uma kuvuka intukuthelo yenkosi, ithi kuwe: Nisondeleleni kangako emzini ukulwa na? Beningazi yini ukuthi bebeyakucibishela besogangeni na?

21 Quem feriu a Abimeleque, filho de Jerubesete? Não lançou uma mulher sobre ele, do muro, um pedaço de mó corredora, de que morreu em Tebes? Por que vos chegastes ao muro? Então, dirás: Também morreu teu servo Urias, o heteu.

21 Ngubani owabulala u-Abimeleki indodana kaJerubesheti na? Angithi owesifazane esogangeni wamphonsa ngembokodwe, wafa eThebesi, na? Nisondeleleni kangako ogangeni na? uthi: Inceku yakho u-Uriya umHeti ifile nayo.

22 Partiu o mensageiro e, chegando, fez saber a Davi tudo o que Joabe lhe havia mandado dizer.

22Sase sihamba isithunywa, safika samtshela uDavide konke esasikuthunyelwe nguJowabe.

[23] Disse o mensageiro a Davi: Na verdade, aqueles homens foram mais poderosos do que nós e saíram contra nós ao campo; porém nós fomos contra eles, até à entrada da porta.

[24] Então, os flecheiros, do alto do muro, atiraram contra os teus servos, e morreram alguns dos servos do rei; e também morreu o teu servo Urias, o heteu.

[25] Disse Davi ao mensageiro: Assim dirás a Joabe: Não pareça isto mal aos teus olhos, pois a espada devora tanto este como aquele; intensifica a tua peleja contra a cidade e derrota-a; e, tu, anima a Joabe.

Davi casa com Bate-Seba

[26] Ouvindo, pois, a mulher de Urias que seu marido era morto, ela o pranteou.

[27] Passado o luto, Davi mandou buscá-la e a trouxe para o palácio; tornou-se ela sua mulher e lhe deu à luz um filho. Porém isto que Davi fizera foi mau aos olhos do SENHOR.

2 Samuel 12

Natã repreende a Davi

[1] O SENHOR enviou Natã a Davi. Chegando Natã a Davi, disse-lhe: Havia numa cidade dois homens, um rico e outro pobre.

[2] Tinha o rico ovelhas e gado em grande número;

[3] mas o pobre não tinha coisa nenhuma, senão uma cordeirinha que comprara e criara, e que em sua casa crescera, junto

[23]Isithunywa sathi kuDavide: Amadoda ayesehlula, asiphumela endle, kepha sawaficezela kwaze kwaba sesikhaleni sesango.

[24]Abacibishelayo bacibishela izinceku zakho besogangeni; ezinye izinceku zenkosi zifile, nenceku yakho u-Uriya umHeti ifile nayo.

[25]UDavide wayesethi kuso isithunywa: Uyakusho kanje kuJowabe, uthi: Le nto mayingabi mbi emehlweni akho, ngokuba inkemba idla omunye njengomunye; qinisa impi yakho ngasemzini, uwuchithe; bese wumqunga isibindi.

[26]Umka-Uriya esezwa ukuthi u-Uriya indoda yakhe ufile wayililela indoda yakhe.

[26] Inkosi yathi ku-Abiyathara umpristi: Hamba uye e-Anathoti emasimini akho, lokhu ungowokufa, kepha angiyikukubulala namuhla, ngokuba wawuwuthwala umphongolo weNkosi uJehova phambi kukaDavide ubaba, wahlupheka ngakho konke ubaba ahlupheka ngakho.

[27] USolomoni wayesemxosha u-Abiyathara, angabe esaba ngumpristi kuJehova, ukuba agcwalise izwi likaJehova alikhuluma ngendlu ka-Eli eShilo.

[28]Lapho kufika umbiko kuJowabe ngokuba uJowabe -- wayemlandele u-Adoniya noma engamlandelanga u-Abisalomu uJowabe -- wabaleka, waya etendeni likaJehova, wabamba izimpondo ze-altare.

[29] Inkosi uSolomoni yatshelwa ukuthi: UJowabe ubalekele etendeni likaJehova; bheka, ungase-altare. USolomoni wayesethuma uBenaya indodana kaJehoyada ngokuthi: Hamba, umsukele.

[30]UBenaya wafika etendeni likaJehova, wathi kuye: Isho kanje inkosi, ithi: Phuma.

Ele respondeu: Não, morrerei aqui. Benaia tornou com a resposta ao rei, dizendo: Assim falou Joabe e assim me respondeu.

31 Disse-lhe o rei: Faze como ele te disse; arremete contra ele e sepulta-o, para que tires de mim e da casa de meu pai a culpa do sangue que Joabe sem causa derramou.

32 Assim, o SENHOR fará recair a culpa de sangue de Joabe sobre a sua cabeça, porque arremeteu contra dois homens mais justos e melhores do que ele e os matou à espada, sem que Davi, meu pai, o soubesse; isto é: a Abner, filho de Ner, comandante do exército de Israel, e a Amasa, filho de Jéter, comandante do exército de Judá.

33 Assim, recairá o sangue destes sobre a cabeça de Joabe e sobre a cabeça da sua descendência para sempre; mas a Davi, e à sua descendência, e à sua casa, e ao seu trono, dará o SENHOR paz para todo o sempre.

34 Subiu Benaia, filho de Joiada, arremeteu contra ele e o matou; e foi sepultado em sua casa, no deserto.

35 Em lugar de Joabe constituiu o rei por comandante do exército a Benaia, filho de Joiada, e, em lugar de Abiatar, a Zadoque por sacerdote.

Morte de Simei

36 Depois, mandou o rei chamar a Simei e lhe disse: Edifica-te uma casa em Jerusalém, e habita aí, e daí não saias, nem para uma parte nem para outra.

Wathi: Qha, ngiyakufela lapha. UBenaya wabuyisela enkosini izwi lokuthi: Washo njalo uJowabe, wangiphendula kanjalo.

31 Inkosi yathi kuye: Yenza njengokusho kwakhe, umsukele, ummbele, ukuba ususe kimi nakuyo indlu kababa igazi elachithwa ngeze nguJowabe.

32 UJehova uyakulibuyisela igazi lakhe ekhanda lakhe, ngokuba wasukela amadoda amabili alungileyo amahle kunaye, wawabulala ngenkemba, ubaba uDavide engazi: u-Abineri indodana kaNeri, induna yempi yakwa-Israyeli, no-Amasa indodana kaJetheri, induna yempi yakwaJuda.

33 Igazi labo liyakubuyela ekhanda likaJowabe nasekhanda lenzalo yakhe kuze kube phakade; kepha kuDavide, nakuyo inzalo yakhe, nakuyo indlu yakhe, nakuso isihlalo sakhe sobukhosi kuyakuba ngukuthula kuze kube phakade, kuvela kuJehova.

34 Wayesenyuka uBenaya indodana kaJehoyada, wamsukela, wambulala; wembelwa endlini yakhe ehlane.

35 Inkosi yayisimbeka uBenaya indodana kaJehoyada phezu kwempi esikhundleni sakhe; uSadoki umpristi inkosi yambeka esikhundleni sika-Abiyathara.

36 Inkosi yathuma yambiza uShimeyi, yathi kuye: Zakhele indlu eJerusalema, uhlale khona, ungaphumi lapho ukuya ndawo.

[37] Porque há de ser que, no dia em que saíres e passares o ribeiro de Cedrom, fica sabendo que serás morto; o teu sangue cairá, então, sobre a tua cabeça.

[38] Simei disse ao rei: Boa é essa palavra; como disse o rei, meu senhor, assim fará o teu servo. E Simei habitou em Jerusalém muitos dias.

[39] Ao cabo de três anos, porém, dois escravos de Simei fugiram para Aquis, filho de Maaca, rei de Gate; e deram parte a Simei, dizendo: Eis que teus servos estão em Gate.

[40] Então, Simei se dispôs, albardou o seu jumento e foi a Gate ter com Aquis em busca dos seus escravos; e trouxe de Gate os seus escravos.

[41] Foi Salomão avisado de que Simei de Jerusalém fora a Gate e já havia voltado.

[42] Então, mandou o rei chamar a Simei e lhe disse: Não te fiz eu jurar pelo SENHOR e não te protestei, dizendo: No dia em que saíres para uma ou outra parte, fica sabendo que serás morto? E tu me disseste: Boa é essa palavra que ouvi.

[43] Por que, pois, não guardaste o juramento do SENHOR, nem a ordem que te dei?

[44] Disse mais o rei a Simei: Bem sabes toda a maldade que o teu coração reconhece que fizeste a Davi, meu pai; pelo que o

[37]Ngokuba mhla uphuma, uwele umfudlana iKidroni, yazisisa ukuthi uyakufa nokufa; igazi lakho liyakuba sekhanda lakho.

[38]Wayesethi uShimeyi enkosini: Lelo zwi lilungile; inceku yakho iyakwenza njengokusho kwenkosi yami, inkosi. UShimeyi wahlala eJerusalema izinsuku eziningi.

[39] Kwathi ngasekupheleni kweminyaka emithathu izinceku ezimbili zikaShimeyi zabaleka, zaya ku-Akhishi indodana kaMahakha inkosi yaseGati. UShimeyi watshelwa ukuthi: Bheka, izinceku zakho ziseGati.

[40]Wayesesuka uShimeyi, wabophela imbongolo yakhe, waya eGati ku-Akhishi ukuba afune izinceku zakhe; wahamba uShimeyi, wazibuyisa izinceku zakhe eGati.

[41]Kwabikelwa uSolomoni ukuthi uShimeyi wayesukile eJerusalema ukuya eGati nokuthi ubuyile.

[42]Inkosi yayisithuma yambiza uShimeyi, yathi kuye: Angithi ngikufungisile uJehova, ngaqinisa kuwe ukuthi: Mhla uphuma uye nomaphi, yazisisa ukuthi uyakufa nokufa, na? Wathi kimi: Izwi engilizwileyo lihle.

[43]Pho, awugcinanga ngani isifungo sikaJehova nomyalo engakuyala ngakho na?

[44] Inkosi yathi futhi kuShimeyi: Wena uyazi konke okubi okwaziwa yinhliziyo yakho, owakwenza kuDavide ubaba;

SENHOR te fez recair sobre a cabeça a tua maldade.

[45] Mas o rei Salomão será abençoado, e o trono de Davi, mantido perante o SENHOR, para sempre.

[46] O rei deu ordem a Benaia, filho de Joiada, o qual saiu e arremeteu contra ele, de sorte que morreu; assim se firmou o reino sob o domínio de Salomão.

1 Reis 3

Salomão casa com a filha de Faraó

[1] Salomão aparentou-se com Faraó, rei do Egito, pois tomou por mulher a filha de Faraó e a trouxe à Cidade de Davi, até que acabasse de edificar a sua casa, e a Casa do SENHOR, e a muralha à roda de Jerusalém.

[2] Entretanto, o povo oferecia sacrifícios sobre os altos, porque até àqueles dias ainda não se tinha edificado casa ao nome do SENHOR.

Salomão pede a Deus sabedoria

2 Crônicas 1.2-13

[3] Salomão amava ao SENHOR, andando nos preceitos de Davi, seu pai; porém sacrificava ainda nos altos e queimava incenso.

[4] Foi o rei a Gibeão para lá sacrificar, porque era o alto maior; ofereceu mil holocaustos Salomão naquele altar.

ngalokho uJehova uyakubuyisela ububi bakho ekhanda lakho.

[45]Kepha inkosi uSolomoni iyakubusiswa, nesihlalo sobukhosi sikaDavide siyakuqiniswa phambi kukaJehova kuze kube phakade.

[46]Ngokuyala kwenkosi uBenaya indodana kaJehoyada waphuma wamsukela; wafa. Umbuso wawusulokhu uqiniswa njalo esandleni sikaSolomoni.

1 AmaKhosi 3

Ukuganwa kukaSolomoni

[1] USolomoni wahlangana ngobuhlobo noFaro inkosi yaseGibithe, wathatha indodakazi kaFaro, wayingenisa emzini kaDavide, waze waqeda ukwakha indlu yakhe, nendlu kaJehova, nogange lwaseJerusalema nxazonke.

[2] Nokho abantu babehlaba ezindaweni eziphakemeyo, ngokuba kwakungakhelwanga igama likaJehova indlu kwaze kwaba yilezo zinsuku.

[3]USolomoni wamthanda uJehova, wahamba ngezimiso zikaDavide uyise; kepha wahlaba, washisa impepho ezindaweni eziphakemeyo.

Ukuhlaba kukaSolomoni nephupho lakhe eGibeyoni

[4] Inkosi yaya eGibeyoni ukuhlabela khona, ngokuba kwakuyindawo ephakemeyo enkulu; uSolomoni wanikela ngeminikelo yokushiswa eyinkulungwane e-altare lelo.

[5] Em Gibeão, apareceu o SENHOR a Salomão, de noite, em sonhos. Disse-lhe Deus: Pede-me o que queres que eu te dê.

[6] Respondeu Salomão: De grande benevolência usaste para com teu servo Davi, meu pai, porque ele andou contigo em fidelidade, e em justiça, e em retidão de coração, perante a tua face; mantiveste-lhe esta grande benevolência e lhe deste um filho que se assentasse no seu trono, como hoje se vê.

[7] Agora, pois, ó SENHOR, meu Deus, tu fizeste reinar teu servo em lugar de Davi, meu pai; não passo de uma criança, não sei como conduzir-me.

[8] Teu servo está no meio do teu povo que elegeste, povo grande, tão numeroso, que se não pode contar.

[9] Dá, pois, ao teu servo coração compreensivo para julgar a teu povo, para que prudentemente discirna entre o bem e o mal; pois quem poderia julgar a este grande povo?

[10] Estas palavras agradaram ao SENHOR, por haver Salomão pedido tal coisa.

[11] Disse-lhe Deus: Já que pediste esta coisa e não pediste longevidade, nem riquezas, nem a morte de teus inimigos; mas pediste entendimento, para discernires o que é justo;

[5] EGibeyoni uJehova wabonakala kuSolomoni ngephupho ebusuku; uNkulunkulu wathi: Cela lokhu othanda ukuba ngikunike khona.

[6] USolomoni wathi: Wenzele inceku yakho uDavide ubaba umusa omkhulu njengokuhamba kwakhe phambi kwakho ngeqiniso, nangokulunga, nangobuqotho benhliziyo kuwe, wamgcinela futhi lowo musa omkhulu, wamnika indodana ukuba ihlale esihlalweni sakhe sobukhosi, njengokuba kunjalo namuhla.

[7] Manje, Jehova Nkulunkulu wami, ubekile inceku yakho inkosi esikhundleni sikaDavide ubaba; ngingumntwana omncane nje, angikwazi nokungena nokuphuma.

[8] Inceku yakho iphakathi kwabantu bakho obakhethileyo, isizwe esikhulu, esingenakubalwa, esingenakuthathwa umumo waso ngobuningi.

[9]Ngalokho yiphe inceku yakho inhliziyo elalelayo ukwahlulela abantu bakho ukuba ngahlukanise okuhle nokubi, ngokuba ngubani ongahlulela laba bantu bakho abakhulu kangaka na?

[10]Leyo nkulumo yaba nhle emehlweni eNkosi ukuba uSolomoni wayecele leyo nto.

[11]Wathi uNkulunkulu kuye: Ngokuba ucele leyo nto, ungazicelelanga izinsuku eziningi, ungazicelelanga namfuyo, ungacelanga futhi ukufa kwezitha zakho, uzicelele ukwahlukanisa lokho okuzwayo ekwahluleleni,

[12] eis que faço segundo as tuas palavras: dou-te coração sábio e inteligente, de maneira que antes de ti não houve teu igual, nem depois de ti o haverá.

[13] Também até o que me não pediste eu te dou, tanto riquezas como glória; que não haja teu igual entre os reis, por todos os teus dias.

[14] Se andares nos meus caminhos e guardares os meus estatutos e os meus mandamentos, como andou Davi, teu pai, prolongarei os teus dias.

[15] Despertou Salomão; e eis que era sonho. Veio a Jerusalém, pôs-se perante a arca da Aliança do SENHOR, ofereceu holocaustos, apresentou ofertas pacíficas e deu um banquete a todos os seus oficiais.

Salomão julga a causa de duas mulheres

[16] Então, vieram duas prostitutas ao rei e se puseram perante ele.

[17] Disse-lhe uma das mulheres: Ah! SENHOR meu, eu e esta mulher moramos na mesma casa, onde dei à luz um filho.

[18] No terceiro dia, depois do meu parto, também esta mulher teve um filho. Estávamos juntas; nenhuma outra pessoa se achava conosco na casa; somente nós ambas estávamos ali.

[19] De noite, morreu o filho desta mulher, porquanto se deitara sobre ele.

[12] bheka, ngenzile njengezwi lakho: nakhu, ngikunika inhliziyo enokuhlakanipha nokuqonda, okungazange kube khona okunjengakho ngaphambi kwakho nokungayikuvela futhi okunjengakho nangasemva kwakho.

[13] Ngikunika futhi nalokho ongakucelanga, imfuyo nodumo, ngangokuba kungayikubakho onjengawe phakathi kwamakhosi zonke izinsuku zakho.

[14] Uma uhamba ngezindlela zami, ugcine izimiso zami nemiyalo yami, njengalokho uyihlo uDavide wahamba, ngiyakwandisa izinsuku zakho.

[15]USolomoni wayesephaphama; bheka, kwakuyiphupho; waya eJerusalema, wema phambi komphongolo wesivumelwano sikaJehova, wanikela ngeminikelo yokushiswa, wanikela ngeminikelo yokuthula, wazenzela izinceku zakhe zonke idili.

Ukuhlakanipha kukaSolomoni ekwahluleleni

[16]Khona kwafika enkosini abesifazane ababili abayizifebe, bema phambi kwayo.

[17]Omunye owesifazane wathi: E nkosi, mina nalo wesifazane sihlala ndlininye; ngabeletha nginaye endlini.

[18]Kwathi ngosuku lwesithathu sengibelethile, lo wesifazane wabeletha naye; sasindawonye, kwakungekho mfokazi nathi endlini, kuyithina sobabili kuphela.

[19] Umfana walo wesifazane wafa ebusuku, ngokuba walala phezu kwakhe.

[20] Levantou-se à meia-noite, e, enquanto dormia a tua serva, tirou-me a meu filho do meu lado, e o deitou nos seus braços; e a seu filho morto deitou-o nos meus.

[21] Levantando-me de madrugada para dar de mamar a meu filho, eis que estava morto; mas, reparando nele pela manhã, eis que não era o filho que eu dera à luz.

[22] Então, disse a outra mulher: Não, mas o vivo é meu filho; o teu é o morto. Porém esta disse: Não, o morto é teu filho; o meu é o vivo. Assim falaram perante o rei.

[23] Então, disse o rei: Esta diz: Este que vive é meu filho, e teu filho é o morto; e esta outra diz: Não, o morto é teu filho, e o meu filho é o vivo.

[24] Disse mais o rei: Trazei-me uma espada. Trouxeram uma espada diante do rei.

[25] Disse o rei: Dividi em duas partes o menino vivo e dai metade a uma e metade a outra.

[26] Então, a mulher cujo filho era o vivo falou ao rei (porque o amor materno se aguçou por seu filho) e disse: Ah! SENHOR meu, dai-lhe o menino vivo e por modo nenhum o mateis. Porém a outra dizia: Nem meu nem teu; seja dividido.

[27] Então, respondeu o rei: Dai à primeira o menino vivo; não o mateis, porque esta é sua mãe.

[20]Wavuka phakathi kwamabili, wathatha umfana wami eceleni kwami, incekukazi yakho ilele ubuthongo, wambeka esifubeni sakhe, wabeka umfana wakhe ofileyo esifubeni sami.

[21]Lapho sengivuka ekuseni ukuba ngimncelise umfana wami, bheka, wayesefile; kepha sengimbhekisisa ekuseni, bheka, kwakungesiye umfana wami engimzeleyo.

[22]Wayesethi omunye owesifazane: Qha, ophilayo ungumfana wami, ofileyo ngumfana wakho. Kepha yena wathi: Qhabo, ofileyo ungumfana wakho, ophilayo ngumfana wami. Bakhuluma kanjalo phambi kwenkosi.

[23]Yayisithi inkosi: Omunye uthi: Ngowami lo mfana ophilayo, ngumfana wakho ofileyo; omunye uthi: Qha, ngumfana wakho ofileyo, ngumfana wami ophilayo.

[24]Yathi inkosi: Ngiletheleni inkemba. Baletha inkemba enkosini.

[25]Yathi-ke inkosi: Mdabuleni kabili umntwana ophilayo, ninike omunye inxenye nomunye inxenye.

[26] Wayesekhuluma enkosini owesifazane ongowakhe umntwana ophilayo, ngokuba izibilini zakhe zavutha ngomntanakhe, wathi: E nkosi, mnike yena umntwana ophilayo, ungambulali nakanye, kepha omunye wathi: Makangabi ngowami nangowakho; mdabuleni.

[27]Yayisithatha inkosi, yathi: Mnikeni lowo umntwana ophilayo, ningamdabuli nakanye; nguye ongunina.

[28] Todo o Israel ouviu a sentença que o rei havia proferido; e todos tiveram profundo respeito ao rei, porque viram que havia nele a sabedoria de Deus, para fazer justiça.

1 Reis 4

Os oficiais de Salomão

[1] O rei Salomão reinou sobre todo o Israel.

[2] Eram estes os seus homens principais: Azarias, filho de Zadoque, o principal.

[3] Eliorefe e Aías, filhos de Sisa, eram secretários; Josafá, filho de Ailude, era o cronista;

[4] Benaia, filho de Joiada, era comandante do exército; Zadoque e Abiatar eram sacerdotes;

[5] Azarias, filho de Natã, era intendente-chefe; Zabude, filho de Natã, ministro, amigo do rei;

[6] Aisar, mordomo; Adonirão, filho de Abda, superintendente dos que trabalhavam forçados.

[7] Tinha Salomão doze intendentes sobre todo o Israel, que forneciam mantimento ao rei e à sua casa; cada um tinha de fornecer durante um mês do ano.

[8] São estes os seus nomes: Ben-Hur, nas montanhas de Efraim;

[9] Ben-Dequer, em Macaz, Saalabim, Bete-Semes, Elom e Bete-Hanã;

[28]U-Israyeli wonke wezwa leso sahlulelo esenziwe yinkosi; bayesaba inkosi, ngokuba babona ukuthi ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kwakukuyo ekwahluleleni kwayo.

1 AmaKhosi 4

Izinduna nezinceku zikaSolomoni

[1]Inkosi uSolomoni yabusa u-Israyeli wonke.

[2]Yilezi izikhulu eyayinazo: u-Azariya indodana kaSadoki wayengumpristi;

[3]o-Elihorefi no-Ahiya amadodana kaShisha babe ngababhali, noJehoshafati indodana ka-Ahiludi wayengumabhalana;

[4] uBenaya indodana kaJehoyada wayephezu kwempi; oSadoki no-Abiyathara babe ngabapristi;

[5]u-Azariya indodana kaNathani wayephezu kwezinduna; uZabudi indodana kaNathani wayengumpristi nomngane wenkosi;

[6] u-Ahishari wayephezu kwabendlu; u-Adoniramu indodana ka-Abida wayephethe ezemali.

[7]USolomoni wayenezinduna eziyishumi nambili phezu kwabo bonke abakwa-Israyeli ezazifunela inkosi nabendlu yayo ukudla; yileyo naleyo yayifuna ukudla inyanga inye ngomnyaka.

[8]Nanka amagama azo: oBeni-Huri ezintabeni zakwa-Efrayimi,

[9]noBeni-Dekeri eMakhasi, naseShahalabimi, naseBeti Shemeshi, nase-Eloni Beti Hanani,

[10] Ben-Hesede, em Arubote; a este pertencia também Socó e toda a terra de Héfer;

[11] Ben-Abinadabe tinha toda a cordilheira de Dor; Tafate, filha de Salomão, era sua mulher.

[12] Baaná, filho de Ailude, tinha a Taanaque, e a Megido, e a toda a Bete-Seã, que está junto a Zaretã, abaixo de Jezreel, desde Bete-Seã até Abel-Meolá, até além de Jocmeão.

[13] Ben-Geber, em Ramote-Gileade; tinha este as aldeias de Jair, filho de Manassés, as quais estão em Gileade; também tinha a região de Argobe, a qual está em Basã, sessenta grandes cidades com muros e ferrolhos de bronze.

[14] Ainadabe, filho de Ido, em Maanaim;

[15] Aimaás, em Naftali; também este tomou filha de Salomão por mulher, a saber, Basemate.

[16] Baaná, filho de Husai, em Aser e Bealote;

[17] Josafá, filho de Parua, em Issacar;

[18] Simei, filho de Elá, em Benjamim;

[19] Geber, filho de Uri, na terra de Gileade, a terra de Seom, rei dos amorreus, e de Ogue, rei de Basã; e havia só um intendente nesta terra.

A prosperidade do reino de Salomão

[10]noBeni Hesedi e-Aruboti, okwakungelakhe iSoko nalo lonke izwe laseHeferi,

[11]noBeni Abinadaba kulo lonke iNafati Dori; uThafati indodakazi kaSolomoni wayengumkakhe;

[12]uBahana indodana ka-Ahiludi eThahanaki, naseMegido, nakulo lonke iBeti Sheyani elingaseceleni kweSaretani, ngenzansi kwaseJizreyeli, kusukela eBeti Sheyani kuze kube se-Abela Mehola nangapheshheya kweJokimeyamu,

[13]noBeni Geberi eRamoti Gileyadi, okwakungeyakhe imizi kaJayire indodana kaManase ekwaGileyadi, nezwe lase-Arigobi eliseBashani, imizi engamashumi ayisithupha enezingange nemigoqo yethusi,

[14]no-Ahinadaba indodana ka-Ido eMahanayimi,

[15]no-Ahimahasi kwaNafetali, yena owathatha uBasemati indodakazi kaSolomoni abe ngumkakhe,

[16]noBahana indodana kaHushayi kwa-Asheri nase-Aloti,

[17]noJehoshafati indodana kaPharuwa kwa-Isakare,

[18]noShimeyi indodana ka-Ela kwaBenjamini,

[19]noGeberi indodana ka-Uri ezweni lakwaGileyadi, izwe likaSihoni inkosi yama-Amori no-Ogi inkosi yaseBashani, ngokuba kwakuyinduna eyodwa kulelo zwe.

[20] Eram, pois, os de Judá e Israel muitos, numerosos como a areia que está ao pé do mar; comiam, bebiam e se alegravam.

[21] Dominava Salomão sobre todos os reinos desde o Eufrates até à terra dos filisteus e até à fronteira do Egito; os quais pagavam tributo e serviram a Salomão todos os dias da sua vida.

[22] Era, pois, o provimento diário de Salomão trinta coros de flor de farinha e sessenta coros de farinha;

[23] dez bois cevados, vinte bois de pasto e cem carneiros, afora os veados, as gazelas, os corços e aves cevadas.

[24] Porque dominava sobre toda a região e sobre todos os reis aquém do Eufrates, desde Tifsa até Gaza, e tinha paz por todo o derredor.

[25] Judá e Israel habitavam confiados, cada um debaixo da sua videira e debaixo da sua figueira, desde Dã até Berseba, todos os dias de Salomão.

[26] Tinha também Salomão quarenta mil cavalos em estrebarias, para os seus carros, e doze mil cavaleiros.

[20] OJuda no-Israyeli babe baningi ngangesihlabathi solwandle ngobuningi, bedla, bephuza, bejabula.

[21] USolomoni wabusa phezu kwemibuso yonke kusukela eMfuleni kuze kube sezweni lamaFilisti nasemkhawulweni waseGibithe; bathela intela, bamkhonza uSolomoni zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

[22]Ukudla kukaSolomoni ngosuku olulodwa kwakungamakhora angamashumi amathathu empuphu ecolekileyo, namakhora angamashumi ayisithupha empuphu,

[23]nezinkabi eziyishumi ezikhuluphalisiweyo, nezinkabi ezingamashumi amabili zasemadlelweni, nezimvu eziyikhulu ngaphandle kwezindluzele, namanxala, nezinsephe, nezinkuku ezikhuluphalisiweyo.

[24]Wabusa ezweni lonke ngaphesheya koMfula kusukela eThifisa kuze kube seGaza phezu kwawo onke amakhosi ngaphesheya koMfula; wayenokuthula nxazonke zakhe.

[25] OJuda no-Israyeli bahlala belondekile, kwaba yilowo nalowo phansi komvini wakhe nomkhiwane wakhe, kusukela kwaDani kuze kube seBeri Sheba, zonke izinsuku zikaSolomoni.

[26] USolomoni wayenezipani eziyizinkulungwane ezingamashumi amane zamahhashi ezinqola zakhe nabamahhashi abayizinkulungwane eziyishumi nambili.

[27] Forneciam, pois, os intendentes provisões, cada um no seu mês, ao rei Salomão e a todos quantos lhe chegavam à mesa; coisa nenhuma deixavam faltar.

[28] Também levavam a cevada e a palha para os cavalos e os ginetes, para o lugar onde estivesse o rei, segundo lhes fora prescrito.

A sabedoria de Salomão

[29] Deu também Deus a Salomão sabedoria, grandíssimo entendimento e larga inteligência como a areia que está na praia do mar.

[30] Era a sabedoria de Salomão maior do que a de todos os do Oriente e do que toda a sabedoria dos egípcios.

[31] Era mais sábio do que todos os homens, mais sábio do que Etã, ezraíta, e do que Hemã, Calcol e Darda, filhos de Maol; e correu a sua fama por todas as nações em redor.

[32] Compôs três mil provérbios, e foram os seus cânticos mil e cinco.

[33] Discorreu sobre todas as plantas, desde o cedro que está no Líbano até ao hissopo que brota do muro; também falou dos animais e das aves, dos répteis e dos peixes.

[34] De todos os povos vinha gente a ouvir a sabedoria de Salomão, e também enviados de todos os reis da terra que tinham ouvido da sua sabedoria.

[27]Izinduna lezo zafunela ukudla inkosi uSolomoni nabo bonke abasondela etafuleni lenkosi uSolomoni, kwaba yileyo naleyo ngenyanga yayo; kwakungasweleki lutho.

[28]Nebhali, nefoliji lamahhashi, namahhashi anejubane zakuletha endaweni lapho zikhona, kwaba yileyo naleyo njengokunqunyelwe yona.

Ukuhlakanipha kukaSolomoni

[29]UNkulunkulu wamnika uSolomoni ukuhlakanipha nengqondo ebanzi kakhulu, nenhliziyo enkulu ngangesihlabathi esisogwini lolwandle.

[30]Ukuhlakanipha kukaSolomoni kwadlula ukuhlakanipha kwabantu bonke basempumalanga nakho konke ukuhlakanipha kwaseGibithe.

[31]Ngokuba wayehlakaniphile kunabo bonke abantu: kuno-Ethani umEzra, noHemani, noKalikoli, noDarda amadodana kaMaholi, negama lakhe lalisezizweni zonke nxazonke.

[32]Waqamba izaga eziyizinkulungwane ezintathu; amaculo akhe ayeyinkulungwane nanhlanu.

[33]Wakhuluma ngemithi kusukela kuwo umsedari oseLebanoni kuze kube kulo ihisopi elimila odongeni; wakhuluma nangezinkomo, nangezinyoni, nangezilwanyana ezinwabuzelayo, nangezinhlanzi.

[34] Kwafika abantu basezizweni zonke ukuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni bevela emakhosini onke abezwile ukuhlakanipha kwakhe.

1 Reis 5

Salomão faz aliança com Hirão
2 Crônicas 2.1-16

[1] Enviou também Hirão, rei de Tiro, os seus servos a Salomão (porque ouvira que ungiram a Salomão rei em lugar de seu pai), pois Hirão sempre fora amigo de Davi.

[2] Então, Salomão enviou mensageiros a Hirão, dizendo:

[3] Bem sabes que Davi, meu pai, não pôde edificar uma casa ao nome do SENHOR, seu Deus, por causa das guerras com que o envolveram os seus inimigos, até que o SENHOR lhos pôs debaixo dos pés.

[4] Porém a mim o SENHOR, meu Deus, me tem dado descanso de todos os lados; não há nem inimigo, nem adversidade alguma.

[5] Pelo que intento edificar uma casa ao nome do SENHOR, meu Deus, como falou o SENHOR a Davi, meu pai, dizendo: Teu filho, que porei em teu lugar no teu trono, esse edificará uma casa ao meu nome.

[6] Dá ordem, pois, que do Líbano me cortem cedros; os meus servos estarão com os teus servos, e eu te pagarei o salário destes segundo determinares; porque bem sabes que entre o meu povo não há quem saiba cortar a madeira como os sidônios.

[7] Ouvindo Hirão as palavras de Salomão, muito se alegrou e disse: Bendito seja,

1 AmaKhosi 5

Isivumelwano sikaSolomoni noHiramu

[1] UHiramu inkosi yaseTire wathuma izinceku zakhe kuSolomoni, ngokuba wayezwile ukuthi ugcotshiwe abe yinkosi esikhundleni sikayise, ngokuba uHiramu wayengumngane kaDavide njalo.

[2]USolomoni wathumela kuHiramu, wathi:

[3] Wena uyazi ukuthi uDavide ubaba wayengenakwakhela igama likaJehova uNkulunkulu wakhe indlu ngenxa yezimpi ezazimzungeza nxazonke, uJehova waze wazibeka phansi kwamathe ezinyawo zakhe.

[4]Kepha manje uJehova uNkulunkulu wami unginike ukuphumula nxazonke; kakho omelana nami, akukho ngozi.

[5] Bheka, sengicabanga ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu wami indlu, njengalokho uJehova akhuluma kuDavide ubaba, ethi: Indodana yakho, engiyakuyibeka esihlalweni sakho sobukhosi esikhundleni sakho, yona iyakwakhela igama lami indlu.

[6] Ngalokho yaleza ukuba bangigawulele imisedari eLebanoni, izinceku zami zibe nezakho; ngiyakukunika inkokhelo yezinceku zakho njengakho konke ongakusho, ngokuba wena uyazi ukuthi akukho muntu kithi ongagawula imithi njengamaSidoni.

[7] Kwathi uHiramu ezwile amazwi kaSolomoni wathokoza kakhulu, wathi:

hoje, o SENHOR, que deu a Davi um filho sábio sobre este grande povo.

Makabusiswe uJehova namuhla omnikile uDavide indodana ehlakaniphileyo phezu kwalabo bantu abakhulu.

8 Enviou Hirão mensageiros a Salomão, dizendo: Ouvi o que mandaste dizer. Farei toda a tua vontade acerca das madeiras de cedro e de cipreste.

8UHiramu wayesethumela kuSolomoni, wathi: Ngizwile lokho okuthume kimi; mina ngiyakwenza konke okufunayo ngemisedari nangemisayipuresi.

9 Os meus servos as levarão desde o Líbano até ao mar, e eu as farei conduzir em jangadas pelo mar até ao lugar que me designares e ali as desamarrarei; e tu as receberás. Tu também farás a minha vontade, dando provisões à minha casa.

9Izinceku zami ziyakuyehlisa eLebanoni, ziyiyise elwandle, mina ngiyenze ibe yizihlenga ezihamba elwandle, ziye endaweni oyakungiyalela yona, zihlakazwe khona; wena wozithatha khona, ufeze engikufunayo ngokubapha abendlu yami ukudla.

10 Assim, deu Hirão a Salomão madeira de cedro e madeira de cipreste, segundo este queria.

10UHiramu wayesenika uSolomoni imisedari nemisayipuresi njengakho konke ukufuna kwakhe.

11 Salomão deu a Hirão vinte mil coros de trigo, para sustento da sua casa, e vinte coros de azeite batido; e o fazia de ano em ano.

11USolomoni wamnika uHiramu amakhora ayizinkulungwane ezingamashumi amabili kakolweni, ukudla kwabendlu yakhe, namakhora angamashumi amabili amafutha akhanyiweyo; uSolomoni wamnika kanjalo uHiramu iminyaka ngeminyaka.

12 Deu o SENHOR sabedoria a Salomão, como lhe havia prometido. Havia paz entre Hirão e Salomão; e fizeram ambos entre si aliança.

12UJehova wamnika uSolomoni ukuhlakanipha njengokusho kwakhe kuye; kwakukhona ukuthula phakathi kukaHiramu noSolomoni; benza isivumelwano bobabili.

Os preparativos para edificar o templo
2 Crônicas 2.17-18

Ukwakhiwa kwethempeli kuyalungiswa

13 Formou o rei Salomão uma leva de trabalhadores dentre todo o Israel, e se compunha de trinta mil homens.

13Inkosi uSolomoni yabiza izisebenzi kubo bonke abakwa-Israyeli; izisebenzi zaba ngabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu.

[14] E os enviava ao Líbano alternadamente, dez mil por mês; um mês estavam no Líbano, e dois meses, cada um em sua casa; e Adonirão dirigia a leva.

[14] Wabathuma eLebanoni, beyizinkulungwane eziyishumi ngenyanga, bededelana; babe seLebanoni inyanga, babe sekhaya izinyanga ezimbili; u-Adoniramu wayephezu kwezisebenzi.

[15] Tinha também Salomão setenta mil que levavam as cargas e oitenta mil que talhavam pedra nas montanhas,

[15] USolomoni wayenabathwalayo imithwalo abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa, nababazi bamatshe ezintabeni abayizinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili,

[16] afora os chefes-oficiais de Salomão, em número de três mil e trezentos, que dirigiam a obra e davam ordens ao povo que a executava.

[16]ngaphandle kwezinduna ezinkulu zikaSolomoni ezaziphethe umsebenzi, izinkulungwane ezintathu namakhulu amathathu, ezazibusa abantu ababewenza umsebenzi.

[17] Mandou o rei que trouxessem pedras grandes, e pedras preciosas, e pedras lavradas para fundarem a casa.

[17]Inkosi yayala, baqopha amatshe amakhulu, amatshe anenani elikhulu, ukuba babeke isisekelo sendlu ngamatshe abaziweyo.

[18] Lavravam-nas os edificadores de Salomão, e os de Hirão, e os giblitas; e preparavam a madeira e as pedras para se edificar a casa.

[18] Abakhi bakaSolomoni nabakhi bakaHiramu nabaseGebali bawabaza, balungisa imithi namatshe ukwakha indlu.

1 Reis 6

Salomão edifica o templo
2 Crônicas 3.1-9

[1] No ano quatrocentos e oitenta, depois de saírem os filhos de Israel do Egito, Salomão, no ano quarto do seu reinado sobre Israel, no mês de zive (este é o mês segundo), começou a edificar a Casa do SENHOR.

1 AmaKhosi 6

Ithempeli

[1] Kwathi ngomnyaka wamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili emva kokuphuma kwabantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe, ngomnyaka wesine wokubusa kukaSolomoni phezu kwabakwa-Israyeli, ngenyanga kaZivi eyinyanga yesibili, waqala ukwakha indlu kaJehova.

[2] A casa que o rei Salomão edificou ao SENHOR era de sessenta côvados de comprimento, vinte de largura e trinta de altura.

[2]Indlu inkosi uSolomoni eyayakhela uJehova, ubude bayo babuyizingalo ezingamashumi ayisithupha, nobubanzi bayo babungezingamashumi amabili, nokuphakama kwayo kwakuyizingalo ezingamashumi amathathu.

[3] O pórtico diante do templo da casa media vinte côvados no sentido da largura do Lugar Santo, contra dez de fundo.

[3]Umpheme ngaphambili kwendlu yethempeli wawuyizingalo ezingamashumi amabili ubude bawo maqondana nobubanzi bendlu; ububanzi bawo babuyizingalo eziyishumi ngaphambi kwendlu.

[4] Para a casa, fez janelas de fasquias fixas superpostas.

[4]Wenzela indlu amafasitele anamahele angenakususwa.

[5] Contra a parede da casa, tanto do santuário como do Santo dos Santos, edificou andares ao redor e fez câmaras laterais ao redor.

[5]Ngasodongeni lwendlu wakha izimpondo nxazonke ngasezindongeni zendlu nxazonke, ethempelini nasegumbini; wenza amakamelo asezinhlangothini nxazonke;

[6] O andar de baixo tinha cinco côvados de largura, o do meio, seis, e o terceiro, sete; porque, pela parte de fora da casa em redor, fizera reentrâncias para que as vigas não fossem introduzidas nas paredes.

[6]uphondo lwangaphansi lwaluyizingalo eziyisihlanu ububanzi balo, noluphakathi lwaluyizingalo eziyisithupha ububanzi balo, nolwesithathu lwaluyizingalo eziyisikhombisa ububanzi balo; ngokuba ngaphandle wenza uqaqa endlini nxazonke, ukuze imishayo ingangeni ezindongeni zendlu.

[7] Edificava-se a casa com pedras já preparadas nas pedreiras, de maneira que nem martelo, nem machado, nem instrumento algum de ferro se ouviu na casa quando a edificavam.

[7] Indlu isakhiwa yakhiwa ngamatshe alungiswa enkwalini; akuzwakalanga sando nazembe naphiki nanto yensimbi, isakhiwa.

[8] A porta da câmara do meio do andar térreo estava ao lado sul da casa, e por

[8]Umnyango wekamelo lohlangothi eliphakathi wawuseceleni lokunene lendlu; kwakhushukwa ngezikhwelo

caracóis se subia ao segundo e, deste, ao terceiro.

[9] Assim, edificou a casa e a rematou, cobrindo-a com um tabuado de cedro.

[10] Os andares que edificou contra a casa toda eram de cinco côvados de altura, e os ligou com a casa com madeira de cedro.

[11] Então, veio a palavra do SENHOR a Salomão, dizendo:

[12] Quanto a esta casa que tu edificas, se andares nos meus estatutos, e executares os meus juízos, e guardares todos os meus mandamentos, andando neles, cumprirei para contigo a minha palavra, a qual falei a Davi, teu pai.

[13] E habitarei no meio dos filhos de Israel e não desampararei o meu povo.

O Santo dos Santos

[14] Assim, edificou Salomão a casa e a rematou.

[15] Também revestiu as paredes da casa por dentro com tábuas de cedro; desde o soalho da casa até ao teto, cobriu com madeira por dentro; e cobriu o piso da casa com tábuas de cipreste.

[16] Da mesma sorte, revestiu também os vinte côvados dos fundos da casa com tábuas de cedro, desde o soalho até ao teto; e esse interior ele constituiu em santuário, a saber, o Santo dos Santos.

ezishwilayo ukuya ophondweni olungaphakathi, kuphunywe kolungaphakathi kuyiwe kolwesithathu.

[9]Wakha-ke kanjalo indlu, wayiqeda, wayifulela indlu ngemishayo nangamapulangwe emisedari.

[10]Wakha izimpondo zangasendlini yonke, yilolo nalolo lwaba yizingalo eziyisihlanu ukuphakama kwalo; zanamathela endlini ngemithi yemisedari.

[11]Izwi likaJehova lafika kuSolomoni, lathi:

[12] Kumi kanje maqondana nale ndlu oyakhayo: uma uyakuhamba ngezimiso zami, wenze izahlulelo zami, ugcine yonke imiyalo yami ukuba uhambe ngayo, ngiyakugcwalisa kuwe izwi engalikhuluma kuDavide uyihlo:

[13]ngiyakuhlala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, ngingabashiyi abantu bami u-Israyeli.

[14]Wakha-ke uSolomoni indlu, wayiqeda.

[15]Wakha izindonga zendlu ngaphakathi ngamapulangwe emisedari; kusukela phansi endlini kuze kufike emishayweni yophahla wembesa ngamapulangwe ngaphakathi, wendlala phansi endlini ngamapulangwe emisayipuresi.

[16]Wakha futhi izingalo ezingamashumi amabili ngaseceleni lendlu lasemuva ngamapulangwe emisedari kusukela phansi kuze kufike emishayweni, wazakhela phakathi okwaba yigumbi, okuyindawo engcwelengcwele.

[17] Era, pois, o Santo Lugar do templo de quarenta côvados.

[18] O cedro da casa por dentro era lavrado de colocíntidas e flores abertas; tudo era cedro, pedra nenhuma se via.

[19] No mais interior da casa, preparou o Santo dos Santos para nele colocar a arca da Aliança do SENHOR.

[20] Era o Santo dos Santos de vinte côvados de comprimento, vinte de largura e vinte de altura; cobriu-o de ouro puro. Cobriu também de ouro o altar de cedro.

[21] Por dentro, Salomão revestiu a casa de ouro puro; e fez passar cadeias de ouro por dentro do Santo dos Santos, que também cobrira de ouro.

[22] Assim, cobriu de ouro toda a casa, inteiramente, e também todo o altar que estava diante do Santo dos Santos.

Os dois querubins
2 Crônicas 3.10-13

[23] No Santo dos Santos, fez dois querubins de madeira de oliveira, cada um da altura de dez côvados.

[24] Cada asa de um querubim era de cinco côvados; dez côvados havia, pois, de uma a outra extremidade de suas asas.

[17]Indlu yangaphambili yethempeli yayiyizingalo ezingamashumi amane.

[18]Kwakungumsedari ngaphakathi endlini, kubaziwe ngezintangazane nangezimbali eziqhakazileyo; konke kwakungumsedari, akubonakalanga tshe khona.

[19]Walungisa igumbi phakathi endlini ukuba kubekwe khona umphongolo wesivumelwano sikaJehova.

[20]Phambi kwegumbi kwakuyizingalo ezingamashumi amabili ubude, nezingalo ezingamashumi amabili ngobubanzi, nezingalo ezingamashumi amabili ngokuphakama; wakunameka ngegolide elicwengekileyo, walembesa i-altare imisedari.

[21]USolomoni wayinameka indlu phakathi ngegolide elicwengekileyo, walivalela igumbi ngamaketanga egolide; walinameka nalo ngegolide.

[22]Wanameka-ke yonke indlu ngegolide, yaze yaphelela indlu yonke; ne-altare lonke elalisegumbini walinameka ngegolide.

[23] Egumbini wenza amakherubi amabili ngomnqumo, yilelo nalelo liyizingalo eziyishumi ukuphakama kwalo.

[24]Elinye iphiko lekherubi laliyizingalo eziyisihlanu, nelinye iphiko lekherubi laliyizingalo eziyisihlanu; kusukela esihlokweni selinye iphiko kuze kufike esihlokweni selinye kwakuyizingalo eziyishumi.

[25] Assim, também era de dez côvados o outro querubim; ambos mediam o mesmo e eram da mesma forma.

[26] A altura de um querubim era de dez côvados; e assim a do outro.

[27] Pôs os querubins no mais interior da casa; os querubins estavam de asas estendidas, de maneira que a asa de um tocava numa parede, e a asa do outro tocava na outra parede; e as suas asas no meio da casa tocavam uma na outra.

[28] E cobriu de ouro os querubins.

Ornamentação das paredes e das portas

[29] Nas paredes todas, tanto no mais interior da casa como no seu exterior, lavrou, ao redor, entalhes de querubins, palmeiras e flores abertas.

[30] Também cobriu de ouro o soalho, tanto no mais interior da casa como no seu exterior.

[31] Para entrada do Santo dos Santos, fez folhas de madeira de oliveira; a verga com as ombreiras formavam uma porta pentagonal.

[32] Assim, fabricou de madeira de oliveira duas folhas e lavrou nelas entalhes de querubins, de palmeiras e de flores abertas; a estas, como as palmeiras e os querubins, cobriu de ouro.

[33] Fez, para entrada do Santo Lugar, ombreiras de madeira de oliveira; entrada quadrilateral,

[25]Elinye ikherubi laliyizingalo eziyishumi nalo; amakherubi omabili ayeyisilinganiso sinye nesimo sinye.

[26]Ukuphakama kwelinye ikherubi kwakuyizingalo eziyishumi, nelinye ikherubi lalinjalo.

[27]Wawabeka amakherubi phakathi nendlu engaphakathi; amakherubi awelula amaphiko, iphiko lelinye lathinta odongeni, nephiko lelinye ikherubi lathinta odongeni olunye; amaphiko awo athintana phakathi nendlu.

[28]Wawanameka amakherubi ngegolide.

[29]Wafekethisa zonke izindonga zendlu nxazonke ngezithombe ezibaziweyo zamakherubi, nangamasundu, nangezimbali eziqhakazileyo ngaphakathi nangaphandle.

[30]Naphansi endlini wanameka ngegolide, ngaphakathi nangaphandle.

[31]Wenzela umnyango wegumbi izivalo zomnqumo; ikhothamo nezinsika zomnyango kwakuyizinhlangothi eziyisihlanu.

[32]Wenza-ke izivalo ezimbili ngomnqumo, wazifekethisa ngamakherubi abaziweyo, nangamasundu, nangezimbali eziqhakazileyo, wazinameka ngegolide, wembesa amakherubi namasundu igolide.

[33]Wenzela futhi umnyango wethempeli izinsika zomnyango ngomnqumo, ziyizinhlangothi ezine,

[34] cujas duas folhas eram de madeira de cipreste; e as duas tábuas de cada folha eram dobradiças.

[35] E as lavrou de querubins, de palmeiras e de flores abertas e as cobriu de ouro acomodado ao lavor.

[36] Também edificou o átrio interior de três ordens de pedras cortadas e de uma ordem de vigas de cedro.

[37] No ano quarto, se pôs o fundamento da Casa do SENHOR, no mês de zive.

[38] E, no ano undécimo, no mês de bul, que é o oitavo, se acabou esta casa com todas as suas dependências, tal como devia ser. Levou Salomão sete anos para edificá-la.

[34]nezivalo ezimbili ngomsayipuresi; izinxenye zombili zaleso naleso sivalo zasongwa.

[35]Wazifekethisa ngamakherubi, nangamasundu, nangezimbali eziqhakazileyo, wazinameka ngegolide kukho okubaziweyo.

[36]Wakha igceke elingaphakathi ngezinhla ezintathu zamatshe abaziweyo, nohla lwemishayo yemisedari.

[37]Ngomnyaka wesine isisekelo sendlu kaJehova sase sibekiwe ngenyanga kaZivi.

[38]Ngomnyaka weshumi nanye ngenyanga kaBuli eyinyanga yesishiyagalombili indlu yaqedwa kukho konke okwayo ngayo yonke imithetho yayo. Wayelokhu akha iminyaka eyisikhombisa.

1 Reis 7

Salomão edifica palácios reais

[1] Edificou Salomão os seus palácios, levando treze anos para os concluir.

[2] Edificou a Casa do Bosque do Líbano, de cem côvados de comprimento, cinqüenta de largura e trinta de altura, sobre quatro ordens de colunas de cedro e vigas de cedro sobre as colunas.

[3] A cobertura era de cedro, abrangendo as câmaras laterais em número de quarenta e cinco, quinze em cada andar, as quais repousavam sobre colunas.

1 AmaKhosi 7

Indlu kaSolomoni

[1]Kepha uSolomoni wakha indlu yakhe iminyaka eyishumi nantathu, wayiqeda indlu yakhe yonke.

[2]Wakha nendlu yehlathi laseLebanoni; ubude bayo babuyizingalo eziyikhulu, nobubanzi bayo babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nokuphakama kwayo kwakuyizingalo ezingamashumi amathathu phezu kwezinhla ezine zezinsika zemisedari, imishayo yemisedari iphezu kwezinsika.

[3]Yafulelwa ngemisedari phezu kwemishayo engamashumi amane nanhlanu eyayiphezu kwezinsika eziyishumi nanhlanu, uhla lulunye.

4 Havia janelas em três ordens e janela oposta a janela em três fileiras.

5 Todas as portas e janelas eram quadradas; e janela oposta a janela em três fileiras.

6 Depois, fez o Salão das Colunas, de cinqüenta côvados de comprimento e trinta de largura; e havia um pórtico de colunas defronte dele, um baldaquino.

7 Também fez a Sala do Trono, onde julgava, a saber, a Sala do Julgamento, coberta de cedro desde o soalho até ao teto.

8 A sua casa, em que moraria, fê-la noutro pátio atrás da Sala do Trono, de obra semelhante a esta; também para a filha de Faraó, que tomara por mulher, fez Salomão uma casa semelhante à Sala do Trono.

9 Todas estas construções eram de pedras de valor, cortadas à medida, serradas para o lado de dentro e para o de fora; e isto desde o fundamento até às beiras do teto, e por fora até ao átrio maior.

10 O fundamento era de pedras de valor, pedras grandes; pedras de dez côvados e pedras de oito côvados;

4Kwakukhona amahele ayizinhla ezintathu; ifasitele lalibhekene nefasitele izinhla ezintathu.

5Yonke iminyango nezinsika kwakuyizinhlangothi ezine ngemishayo; ifasitele lalibhekene nefasitele izinhla ezintathu.

6Wenza indlu yezinsika; ubude bayo babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu; nobubanzi bayo babuyizingalo ezingamashumi amathathu, inompheme nezinsika phambi kwayo, naphambi kwazo yisikhwelo.

7Wenza umpheme wesihlalo sobukhosi lapho ebeyakwahlulela khona, umpheme wokwahlulela; wawembeswe imisedari kusukela phansi kuze kufike phezulu.

8 Indlu yakhe lapho ebeyakuhlala khona kwelinye igceke phakathi kompheme yayenziwe kanjalo. Wenzela nendodakazi kaFaro abeyithathile uSolomoni indlu eyafana nalwo mpheme.

9Konke lokho kwakhiwa ngamatshe anenani elikhulu, amatshe abaziwe ngezilinganiso, asahwe ngamasaha, ngaphakathi nangaphandle, kusukela esisekelweni kuze kufike phezulu, nangaphandle kuze kube segcekeni elikhulu.

10Nesisekelo sasingamatshe anenani elikhulu, amatshe amakhulu, amatshe ayizingalo eziyishumi, namatshe ayizingalo eziyisishiyagalombili.

[11] por cima delas, pedras de valor, cortadas segundo as medidas, e cedros.

[12] Ao redor do grande átrio, havia três ordens de pedras cortadas e uma ordem de vigas de cedro; assim era também o átrio interior da Casa do SENHOR e o pórtico daquela casa.

[13] Enviou o rei Salomão mensageiros que de Tiro trouxessem Hirão.

[14] Era este filho de uma mulher viúva, da tribo de Naftali, e fora seu pai um homem de Tiro que trabalhava em bronze; Hirão era cheio de sabedoria, e de entendimento, e de ciência para fazer toda obra de bronze. Veio ter com o rei Salomão e fez toda a sua obra.

As duas colunas do templo

2 Crônicas 3.15-17

[15] Formou duas colunas de bronze; a altura de cada uma era de dezoito côvados, e um fio de doze côvados era a medida de sua circunferência.

[16] Também fez dois capitéis de fundição de bronze para pôr sobre o alto das colunas; de cinco côvados era a altura de cada um deles.

[17] Havia obra de rede e ornamentos torcidos em forma de cadeia, para os capitéis que estavam sobre o alto das colunas; sete para um capitel e sete para o outro.

[11]Naphezulu kwakungamatshe anenani elikhulu, amatshe abaziweyo ngezilinganiso, nemisedari.

[12]Igceke elikhulu nxazonke lalinezinhla ezintathu zamatshe abaziweyo nohla lwemisedari njengegceke elingaphakathi lendlu kaJehova nompheme wendlu.

Umsebenzi kaHiramu ethempelini

[13] Inkosi uSolomoni yathumela yamlanda uHiramu eTire.

[14]Wayeyindodana yomfelokazi wesizwe sakwaNafetali; uyise wayengumuntu ogcwele ukuhlakanipha, nengqondo, nokwazi ukwenza yonke imisebenzi yethusi. Wafika enkosini uSolomoni, wasebenza wonke umsebenzi wayo.

[15] Wakhanda izinsika ezimbili zethusi, yileyo naleyo iyizingalo eziyishumi nesishiyagalombili ubude bayo, nomucu oyizingalo eziyishumi nambili wazungeza enye insika.

[16]Wenza izihloko ezimbili ngethusi elibunjiweyo ukuba zibekwe phezu kwezinsika; ubude besinye isihloko babuyizingalo eziyisihlanu, nobude besinye isihloko babuyizingalo eziyisihlanu.

[17]Kwakukhona ezihlokweni ezaziphezu kwezinsika imihlobiso yamanetha amahele, nezinsephe ezenziwe njengamaketanga, kuyisikhombisa kwesinye isihloko, nesikhombisa kwesinye.

[18] Fez também romãs em duas fileiras por cima de uma das obras de rede, para cobrir o capitel no alto da coluna; o mesmo fez com o outro capitel.

[19] Os capitéis que estavam no alto das colunas eram de obra de lírios, como na Sala do Trono, e de quatro côvados.

[20] Perto do bojo, próximo à obra de rede, os capitéis que estavam no alto das duas colunas tinham duzentas romãs, dispostas em fileiras em redor, sobre um e outro capitel.

[21] Depois, levantou as colunas no pórtico do templo; tendo levantado a coluna direita, chamou-lhe Jaquim; e, tendo levantado a coluna esquerda, chamou-lhe Boaz.

[22] No alto das colunas, estava a obra de lírios. E, assim, se acabou a obra das colunas.

O mar de fundição

2 Crônicas 4.1-5

[23] Fez também o mar de fundição, redondo, de dez côvados de uma borda até à outra borda, e de cinco de altura; e um fio de trinta côvados era a medida de sua circunferência.

[24] Por baixo da sua borda em redor, havia colocíntidas, dez em cada côvado; estavam em duas fileiras, fundidas quando se fundiu o mar.

[18]Wenza amapomegranati; kwakuyizinhla ezimbili nxazonke kwelinye inetha ukwembesa izihloko ezaziphezu kwezinsika; wenze njalo nakwesinye isihloko.

[19]Izihloko ezaziphezu kwezinsika zasemphemeni zafaniswa neminduze; zaziyizingalo ezine.

[20]Kwakukhona izihloko naphezu kwezinsika zombili eduze nesisu esasiseceleni kwenetha; amapomegranati ayengamakhulu amabili, eyizinhla nxazonke phezu kwesinye isihloko.

[21]Wazimisa izinsika ngasemphemeni wethempeli; wayimisa insika yokunene, waqamba igama layo ngokuthi uJakini, wayimisa nensika yasokhohlo, waqamba igama layo ngokuthi uBowazi.

[22]Ezihlokweni zezinsika kwakukhona okufanisiwe neminduze; kwaphela kanjalo umsebenzi wezinsika.

[23] Wenza nolwandle olubunjiweyo; lwaluyizingalo eziyishumi kusukela kolunye udini kuze kufike kolunye, lwaluyisiyingelezi; ukuphakama kwalo kwakuyizingalo eziyisihlanu; umucu oyizingalo ezingamashumi amathathu waluzungeza nxazonke.

[24]Phansi kodini lwalo nxazonke kwakukhona izintangazane ezaluzungezayo izingalo eziyishumi, zizungeza ulwandle nxazonke; izintangazane zazisezinhleni ezimbili, zibunjiwe ekubunjweni kwalo.

[25] Assentava-se o mar sobre doze bois; três olhavam para o norte, três, para o ocidente, três, para o sul, e três, para o oriente; o mar apoiava-se sobre eles, cujas partes posteriores convergiam para dentro.

[25]Lwalumi phezu kwezinkabi eziyishumi nambili, ezintathu zibheke ngasenyakatho, ezintathu zibheke ngasentshonalanga, ezintathu zibheke ngaseningizimu, ezintathu zibheke ngasempumalanga; ulwandle lwalumiswe phezu kwazo, zonke zifulathelene.

[26] A grossura dele era de quatro dedos, e a sua borda, como borda de copo, como flor de lírios; comportava dois mil batos.

[26]Uhlonze lwalo lwalungangobubanzi besandla; udini lwalo lwalwenziwe njengodini lwendebe lunjengembali yomnduze; lwalulingene namabhati ayizinkulungwane ezimbili.

Outros utensílios para o templo
2 Crônicas 4.6-22

[27] Fez também de bronze dez suportes; cada um media quatro côvados de comprimento, quatro de largura e três de altura;

[27] Wenza izinqe eziyishumi zethusi; ubude besinqe sisinye babuyizingalo ezine, nobubanzi baso babuyizingalo ezine, nokuphakama kwaso kwakuyizingalo ezintathu.

[28] e eram do seguinte modo: tinham painéis, que estavam entre molduras,

[28]Lezo zinqe zazenziwe kanje: zazinezindini; izindini zaziphakathi kwezinsiko;

[29] nos quais havia leões, bois e querubins; nas molduras de cima e de baixo dos leões e dos bois, havia festões pendentes.

[29]kuzo izindini ezaziphakathi kwezinsiko kwakukhona izingonyama, nezinkabi, namakherubi; kwakunjalo nakuzo izinsiko phezulu; phansi kwezingonyama nezinkabi kwakukhona imigexo elengayo yezimbali.

[30] Tinha cada suporte quatro rodas de bronze e eixos de bronze; os seus quatro pés tinham apoios debaixo da pia, apoios fundidos, e ao lado de cada um havia festões.

[30]Yileso naleso sinqe sasinamasondo amane ethusi, nama-asi ethusi; lezi zinyawo ezine zazinamahlombe okuthwala; lawo mahlombe ayebunjiwe phansi komcengezi, enemigexo yezimbali ebhekene nawo onke.

[31] A boca dos suportes estava dentro de uma guarnição que media um côvado de

[31]Umlomo waso wawuphakathi kwesihloko; ukuphakama kwawo

altura; a boca era redonda como a obra de um pedestal e tinha o diâmetro de um côvado e meio. Também nela havia entalhes, e os seus painéis eram quadrados, não redondos.

32 As quatro rodas estavam debaixo dos painéis, e os eixos das rodas formavam uma peça com o suporte; cada roda era de um côvado e meio de altura.

33 As rodas eram como as de um carro: seus eixos, suas cambas, seus raios e seus cubos, todos eram fundidos.

34 Havia quatro apoios aos quatro cantos de cada suporte, que com este formavam uma peça.

35 No alto de cada suporte, havia um cilindro de meio côvado de altura; também, no alto de cada suporte, os apoios e painéis formavam uma peça só com ele.

36 Na superfície dos seus apoios e dos seus painéis, gravou querubins, leões e palmeiras, segundo o espaço de cada um, com festões ao redor.

37 Deste modo, fez os dez suportes; todos tinham a mesma fundição, o mesmo tamanho e o mesmo entalhe.

38 Também fez dez pias de bronze; em cada uma cabiam quarenta batos, e cada uma era de quatro côvados; sobre cada um dos dez suportes estava uma pia.

kwakuyingalo; umlomo wawo wawuyisiyingelezi njengokwenziwa kwesinqe, uyingalo nenxenye; nasemlonyeni kwakukhona okubaziweyo; izindini zawo zaziyizinhlangothi ezine, zingesiso isiyingelezi.

32Lawo masondo amane ayephansi kwezindini; imbambelela yama-asi amasondo yayisesinqeni; ukuphakama kwesondo kwakuyingalo nenxenye.

33Amasondo ayenziwe njengesondo lenqola; izimbambelela zawo zama-asi, namabhande awo, nezipokwe zawo, namanamfu awo kwakubunjiwe konke.

34Kwakukhona amahlombe okuthwala emagumbini omane aleso naleso sinqe, izingalo zihlangene nesinqe.

35Phezu kwesinqe kwakukhona okuyisiyingelezi nxazonke; ukuphakama kwakho kwakuyinxenye yengalo, nezimbambelela zakho nezindini zakho zazihlangene nakho.

36Ezibhebheni zezimbambelela zakho nasezindinini zakho waqopha amakherubi, nezingonyama, namasundu njengendawo yakho konke ngakunye, kanye nemigexo yezimbali nxazonke.

37Wenza kanjalo izinqe eziyishumi; zonke zazikubunjwa kunye, nesilinganiso sinye, nesimo sinye.

38 Wenza imicengezi eyishumi ngethusi; umcengezi munye wawulingene namabhati angamashumi amane; yilowo nalowo mcengezi wawuyizingalo ezine,

naphezu kwezinqe eziyishumi ngazinye kwakukhona umcengezi munye.

[39] Pôs cinco suportes à direita da casa e cinco, à esquerda; porém o mar pôs ao lado direito da casa, para o lado sudeste.

[39] Wazibeka izinqe eziyisihlanu ngaseceleni lokunene lendlu neziyisihlanu ngaseceleni lasokhohlo lendlu; walubeka ulwandle ngaseceleni lokunene lendlu ngasempumalanga yangaseningizimu.

[40] Depois, fez Hirão os caldeirões, e as pás, e as bacias. Assim, terminou ele de fazer toda a obra para o rei Salomão, para a Casa do SENHOR:

[40] UHiramu wayenza leyo micengezi, namafosholo, nezitsha. UHiramu wayeseqeda ukwenza wonke umsebenzi abewenzela inkosi uSolomoni endlini kaNkulunkulu:

[41] as duas colunas, os dois globos dos capitéis que estavam no alto das duas colunas; as duas redes, para cobrir os dois globos dos capitéis que estavam ao alto das colunas;

[41]izinsika ezimbili, nezihloko ezimbili ezinjengezinkamba ezaziphezu kwezinsika, namanetha amabili okwembesa izihloko ezimbili ezinjengezinkamba ezaziphezu kwezinsika,

[42] as quatrocentas romãs para as duas redes, isto é, duas fileiras de romãs para cada rede, para cobrirem os dois globos dos capitéis que estavam no alto das colunas;

[42]namapomegranati angamakhulu amane amanetha omabili, izinhla ezimbili zamapomegranati kulelo nalelo netha, okwembesa izihloko zombili ezazinjengezinkamba ezaziphezu kwezinsika,

[43] os dez suportes e as dez pias sobre eles;

[43]nezinqe eziyishumi, nemicengezi eyishumi ezinqeni,

[44] o mar com os doze bois por baixo;

[44]nolwandle lunye, nezinkabi eziyishumi nambili phansi kolwandle,

[45] os caldeirões, as pás, as bacias e todos estes utensílios que fez Hirão para o rei Salomão, para a Casa do SENHOR, todos eram de bronze polido.

[45]namakhanzi, namafosholo, nezitsha; zonke lezo zinto uHiramu azenzela inkosi uSolomoni endlini kaJehova zaziyithusi eliphucuziweyo.

[46] Na planície do Jordão, o rei os fez fundir em terra barrenta, entre Sucote e Zaretã.

[46]Inkosi yazibumba ethafeni laseJordani emhlabathini webumba phakathi kweSukoti neSaretani.

[47] Deixou Salomão de pesar todos os utensílios pelo seu excessivo número, não se verificando, pois, o peso do seu bronze.

[47]USolomoni waziyeka zonke izinto zingalinganiswanga ngenxa yobuningi bazo obukhulu kakhulu; nesisindo sethusi sasingenakutholwa.

[48] Também fez Salomão todos os utensílios do Santo Lugar do SENHOR: o altar de ouro e a mesa de ouro, sobre a qual estavam os pães da proposição;

[48] USolomoni wenza-ke zonke izinto ezazisendlini kaJehova: i-altare legolide, netafula legolide okwakukhona kulo izinkwa zokubukwa,

[49] os castiçais de ouro finíssimo, cinco à direita e cinco à esquerda, diante do Santo dos Santos; as flores, as lâmpadas e as espevitadeiras, também de ouro;

[49]nezinti zezibani zegolide elicwengekileyo eziyisihlanu ngakwesokunene neziyisihlanu ngakwesokhohlo phambi kwegumbi, nezimbali, nezibani, nezindlawu, ngegolide,

[50] também as taças, as espevitadeiras, as bacias, os recipientes para incenso e os braseiros, de ouro finíssimo; as dobradiças para as portas da casa interior para o Santo dos Santos e as das portas do Santo Lugar do templo, também de ouro.

[50]nezindebe, nezizenze, nezitsha, nezinkezo, nemicengezi yomlilo, ngegolide elicwengekileyo, nezingibe zegolide zezivalo zendlu engaphakathi, indawo engcwelengcwele, nezivalo zendlu yethempeli.

As dádivas de Davi colocadas no templo

2 Crônicas 5.1

[51] Assim, se acabou toda a obra que fez o rei Salomão para a Casa do SENHOR; então, trouxe Salomão as coisas que Davi, seu pai, havia dedicado; a prata, o ouro e os utensílios, ele os pôs entre os tesouros da Casa do SENHOR.

[51] Sekuphelile wonke umsebenzi inkosi uSolomoni eyawenzayo endlini kaJehova, uSolomoni wangenisa izinto uyise uDavide ayezingcwelisile, isiliva, negolide, nezitsha, wakubeka engcebeni yendlu kaJehova.

1 Reis 8

Salomão traz para o templo a arca

2 Crônicas 5.2-14

[1] Congregou Salomão os anciãos de Israel, todos os cabeças das tribos, os príncipes das famílias dos israelitas, diante de si em Jerusalém, para fazerem subir a arca da

1 AmaKhosi 8

Ukungeniswa komphongolo kaJehova ethempelini

[1] Khona uSolomoni wabutha amalunga akwa-Israyeli nezinhloko zezizwe, izikhulu zawoyise babantwana bakwa-Israyeli enkosini uSolomoni eJerusalema, ukuba bakhuphule umphongolo

Aliança do SENHOR da Cidade de Davi, que é Sião, para o templo.

[2] Todos os homens de Israel se congregaram junto ao rei Salomão na ocasião da festa, no mês de etanim, que é o sétimo.

[3] Vieram todos os anciãos de Israel, e os sacerdotes tomaram a arca do SENHOR

[4] e a levaram para cima, com a tenda da congregação, e também os utensílios sagrados que nela havia; os sacerdotes e levitas é que os fizeram subir.

[5] O rei Salomão e toda a congregação de Israel, que se reunira a ele, estavam todos diante da arca, sacrificando ovelhas e bois, que, de tão numerosos, não se podiam contar.

[6] Puseram os sacerdotes a arca da Aliança do SENHOR no seu lugar, no santuário mais interior do templo, no Santo dos Santos, debaixo das asas dos querubins.

[7] Pois os querubins estendiam as asas sobre o lugar da arca e, do alto, cobriam a arca e os varais.

[8] Os varais sobressaíam tanto, que suas pontas eram vistas do Santo Lugar, defronte do Santo dos Santos, porém de fora não se viam. Ali, estão até ao dia de hoje.

[9] Nada havia na arca senão as duas tábuas de pedra, que Moisés ali pusera junto a Horebe, quando o SENHOR fez aliança

wesivumelwano sikaJehova emzini kaDavide oyiSiyoni.

[2]Onke amadoda akwa-Israyeli abuthana enkosini uSolomoni emkhosini wasenyangeni ka-Ethanimi eyinyanga yesikhombisa.

[3]Esefikile onke amalunga akwa-Israyeli, abapristi baphakamisa umphongolo.

[4] Bakhuphula umphongolo kaJehova, netende lokuhlangana, nazo zonke izinto ezingcwele ezazisetendeni, kwakhushulwa ngabapristi namaLevi.

[5] Inkosi uSolomoni nayo yonke inhlangano yakwa-Israyeli eyayihlangene kuyo babenayo phambi komphongolo, behlaba izimvu nezinkabi ezingenakulotshwa, zingenakubalwa ngobuningi bazo.

[6] Abapristi bawungenisa umphongolo wesivumelwano sikaJehova endaweni yawo egumbini lendlu, indawo engcwelengcwele, phansi kwamaphiko amakherubi.

[7]Ngokuba amakherubi ayewelula amaphiko awo phezu kwendawo yomphongolo, amakherubi asibekela umphongolo nezinti zawo ngaphezulu.

[8]Izinti zazizinde kangako ukuba izihloko zezinti zibonakale endaweni engcwele phambi kwegumbi; kepha zazingabonakali ngaphandle; zisekhona lapho kuze kube namuhla.

[9] Kwakungekho lutho emphongolweni, kuphela izibhebhe ezimbili zamatshe ezabekwa khona nguMose eHorebe, lapho

com os filhos de Israel, ao saírem da terra do Egito.

[10] Tendo os sacerdotes saído do santuário, uma nuvem encheu a Casa do SENHOR,

[11] de tal sorte que os sacerdotes não puderam permanecer ali, para ministrar, por causa da nuvem, porque a glória do SENHOR enchera a Casa do SENHOR.

Salomão fala ao povo

2 Crônicas 6.1-11

[12] Então, disse Salomão: O SENHOR declarou que habitaria em trevas espessas.

[13] Na verdade, edifiquei uma casa para tua morada, lugar para a tua eterna habitação.

[14] Voltou, então, o rei o rosto e abençoou a toda a congregação de Israel, enquanto se mantinha toda em pé;

[15] e disse: Bendito seja o SENHOR, o Deus de Israel, que falou pessoalmente a Davi, meu pai, e pelo seu poder o cumpriu, dizendo:

[16] Desde o dia em que tirei Israel, o meu povo, do Egito, não escolhi cidade alguma de todas as tribos de Israel, para edificar uma casa a fim de ali estabelecer o meu nome; porém escolhi a Davi para chefe do meu povo de Israel.

[17] Também Davi, meu pai, propusera em seu coração o edificar uma casa ao nome do SENHOR, o Deus de Israel.

uJehova enza isivumelwano nabantwana bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe.

[10] Kwathi lapho abapristi sebephumile endaweni engcwele, ifu lagcwalisa indlu kaJehova,

[11] abapristi baze bangema ukukhonza ngenxa yefu, ngokuba inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaJehova.

[12] Khona wakhuluma uSolomoni, wathi: UJehova ushilo ukuthi uyakuhlala esigayegayeni.

[13]Ngikwakhele nokukwakhela indlu yokuhlala, indawo yokuhlala kwakho kuze kube phakade.

[14]Inkosi yayisiphenduka, yalibusisa lonke ibandla lakwa-Israyeli, lonke ibandla lakwa-Israyeli, lalimi.

[15]Yathi: Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owakhuluma ngomlomo wakhe kuDavide ubaba, ukugcwalisile ngesandla sakhe, ethi:

[16] Kusukela osukwini engakhipha ngalo abantu bami u-Israyeli eGibithe angikhethanga muzi ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukwakha indlu ukuba igama lami libe khona lapho, kepha ngamkhetha uDavide abe phezu kwabantu bami u-Israyeli.

[17] Kwakusenhliziyweni kaDavide ubaba ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

[18] Porém o SENHOR disse a Davi, meu pai: Já que desejaste edificar uma casa ao meu nome, bem fizeste em o resolver em teu coração.

[19] Todavia, tu não edificarás a casa, porém teu filho, que descenderá de ti, ele a edificará ao meu nome.

[20] Assim, cumpriu o SENHOR a sua palavra que tinha dito, pois me levantei em lugar de Davi, meu pai, e me assentei no trono de Israel, como prometera o SENHOR; e edifiquei a casa ao nome do SENHOR, o Deus de Israel.

[21] E nela constituí um lugar para a arca, em que estão as tábuas da aliança que o SENHOR fez com nossos pais, quando os tirou da terra do Egito.

Salomão ora a Deus

2 Crônicas 6.12-42

[22] Pôs-se Salomão diante do altar do SENHOR, na presença de toda a congregação de Israel; e estendeu as mãos para os céus

[23] e disse: Ó SENHOR, Deus de Israel, não há Deus como tu, em cima nos céus nem embaixo na terra, como tu que guardas a aliança e a misericórdia a teus servos que de todo o coração andam diante de ti;

[24] que cumpriste para com teu servo Davi, meu pai, o que lhe prometeste; pessoalmente o disseste e pelo teu poder o cumpriste, como hoje se vê.

[18]Kepha uJehova wathi kuDavide ubaba: Njengokuba kwakusenhliziyweni yakho ukwakhela igama lami indlu, wenza kahle, ngokuba kwakusenhliziyweni yakho lokho;

[19] kepha wena awuyikuyakha indlu, kodwa indodana yakho eyakuphuma okhalweni lwakho yiyona eyakwakhela igama lami indlu.

[20] UJehova uliqinsisile izwi alikhulumayo, ngokuba mina ngivelile esikhundleni sikaDavide ubaba, ngihlezi esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli njengokusho kukaJehova, ngakhele igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

[21]Ngimisile lapho indawo yomphongolo okukuwo isivumelwano sikaJehova asenza nawobaba ekubakhipheni ezweni laseGibithe.

Ukuhlanjululwa kwethempeli

[22]USolomoni wema phambi kwe-altare likaJehova ebusweni balo lonke ibandla lakwa-Israyeli, welulela izandla zakhe ngasezulwini,

[23]wathi: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, akakho unkulunkulu onjengawe phezulu ezulwini nasemhlabeni phansi, ogcina isivumelwano nomusa nezinceku zakho ezihamba phambi kwakho ngayo yonke inhliziyo yazo,

[24]ogcine nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo; yebo, owakukhuluma ngomlomo wakho ukugcwalisile ngesandla sakho njengokuba kunjalo namuhla.

[25] Agora, pois, ó SENHOR, Deus de Israel, faze a teu servo Davi, meu pai, o que lhe declaraste, dizendo: Não te faltará sucessor diante de mim, que se assente no trono de Israel, contanto que teus filhos guardem o seu caminho, para andarem diante de mim como tu andaste.

[26] Agora também, ó Deus de Israel, cumpra-se a tua palavra que disseste a teu servo Davi, meu pai.

[27] Mas, de fato, habitaria Deus na terra? Eis que os céus e até o céu dos céus não te podem conter, quanto menos esta casa que eu edifiquei.

[28] Atenta, pois, para a oração de teu servo e para a sua súplica, ó SENHOR, meu Deus, para ouvires o clamor e a oração que faz, hoje, o teu servo diante de ti.

[29] Para que os teus olhos estejam abertos noite e dia sobre esta casa, sobre este lugar, do qual disseste: O meu nome estará ali; para ouvires a oração que o teu servo fizer neste lugar.

[30] Ouve, pois, a súplica do teu servo e do teu povo de Israel, quando orarem neste lugar; ouve no céu, lugar da tua habitação; ouve e perdoa.

[25] Ngalokho, Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, gcina nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo ukuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe emehlweni ami ukuhlala esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli, uma kuphela abantwana bakho beqaphela indlela yabo ukuba bahambe phambi kwami, njengalokho wena uhambe phambi kwami.

[26]Ngalokho, Nkulunkulu ka-Israyeli, maliqiniseke izwi lakho owalikhuluma encekwini yakho uDavide ubaba.

[27] Kepha uNkulunkulu uyakuhlala impela emhlabeni na? Bheka, izulu nezulu lamazulu alinakukwanela; pho, kakhulu kangakanani le ndlu encane engiyakhileyo na?

[28]Mawubheke umkhuleko wenceku yakho nokunxusa kwayo, Jehova Nkulunkulu wami, uzwe ukukhala nokukhuleka inceku yakho ekukhuleka phambi kwakho namuhla

[29] ukuba amehlo akho avulekele le ndlu ubusuku nemini, indawo owathi ngayo: Igama lami liyakuba khona lapho, uze ulalele umkhuleko inceku yakho eyakuwukhuleka ibhekene nale ndawo.

[30]Kulalele ukunxusa kwenceku yakho nokwabantu bakho u-Israyeli abayakukukhuleka bebhekene nale ndawo, ukuzwe usendaweni yakho yokuhlala ezulwini, nalapho usuzwile, uthethelele.

[31] Se alguém pecar contra o seu próximo, e lhe for exigido que jure, e ele vier a jurar diante do teu altar, nesta casa,

[32] ouve tu nos céus, e age, e julga teus servos, condenando o perverso, fazendo recair o seu proceder sobre a sua cabeça e justificando ao justo, para lhe retribuíres segundo a sua justiça.

[33] Quando o teu povo de Israel, por ter pecado contra ti, for ferido diante do inimigo, e se converter a ti, e confessar o teu nome, e orar, e suplicar a ti, nesta casa,

[34] ouve tu nos céus, e perdoa o pecado do teu povo de Israel, e faze-o voltar à terra que deste a seus pais.

[35] Quando os céus se cerrarem, e não houver chuva, por ter o povo pecado contra ti, e orar neste lugar, e confessar o teu nome, e se converter dos seus pecados, havendo-o tu afligido,

[36] ouve tu nos céus, perdoa o pecado de teus servos e do teu povo de Israel, ensinando-lhes o bom caminho em que andem, e dá chuva na tua terra, que deste em herança ao teu povo.

[37] Quando houver fome na terra ou peste, quando houver crestamento ou ferrugem, gafanhotos e larvas, quando o seu inimigo o cercar em qualquer das suas cidades ou houver alguma praga ou doença,

[31] Uma umuntu ona umakhelwane wakhe, athweswe isifungo sokumfungisa, abeseza ukufunga phambi kwe-altare lakho kule ndlu,

[32]mawuzwe wena ezulwini, wenze, wahlulele izinceku zakho, kulahlwe onecala, ubeke indlela yakhe phezu kwekhanda lakhe, uthethelele olungileyo, umnike njengokulunga kwakhe.

[33] Lapho abantu bakho u-Israyeli benqotshwa yisitha, ngokuba bonile kuwe, kepha bese bebuya bephindela kuwe, balivume igama lakho, bakhuleke, banxuse kuwe kule ndlu,

[34]mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sabantu bakho u-Israyeli, ubabuyisele ezweni owalinika oyise.

[35] Lapho izulu livaliwe, imvula ingekho, ngokuba bonile kuwe, kepha bese bekhuleka bebhekene nale ndawo, balivume igama lakho, baphenduke esonweni sabo, ngokuba uyabajezisa,

[36]mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sezinceku zakho nesabantu bakho u-Israyeli, lapho ubafundisa indlela enhle abayakuhamba ngayo, uthume imvula ezweni lakho obanike abantu bakho libe yifa labo.

[37] Uma kukhona indlala ezweni, noma kukhona isifo, noma kukhona ukuhamuka, nesikhutha, nesikhonyane, nemiswenya, noma isitha sabo sibavimbezela ezweni lemizi yabo, noma kuyiphi inhlupheko nasiphi isifo,

[38] toda oração e súplica que qualquer homem ou todo o teu povo de Israel fizer, conhecendo cada um a chaga do seu coração e estendendo as mãos para o rumo desta casa,

[38]bese kuzwakala namuphi umkhuleko nakuphi ukunxusa noma ngumuphi umuntu noma yibo bonke abantu bakho u-Israyeli abayakwazi, kube yilowo nalowo inhlupheko yasenhliziyweni yakhe, elulele izandla zakhe kule ndlu,

[39] ouve tu nos céus, lugar da tua habitação, perdoa, age e dá a cada um segundo todos os seus caminhos, já que lhe conheces o coração, porque tu, só tu, és conhecedor do coração de todos os filhos dos homens;

[39] mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, uthethelele, wenze, unike yilowo nalowo njengezindlela zakhe, wena owaziyo inhliziyo yakhe ngokuba wena kuphela uyazi izinhliziyo zabo bonke abantwana babantu

[40] para que te temam todos os dias que viverem na terra que deste a nossos pais.

[40]ukuba bakwesabe zonke izinsuku zokuhlala kwabo ezweni owalinika obaba.

[41] Também ao estrangeiro, que não for do teu povo de Israel, porém vier de terras remotas, por amor do teu nome

[41] Futhi owezizwe ongesiye owabantu bakho u-Israyeli, lapho evela ezweni elikude ngenxa yegama lakho

[42] (porque ouvirão do teu grande nome, e da tua mão poderosa, e do teu braço estendido), e orar, voltado para esta casa,

[42]ngokuba bayakuzwa ngegama lakho elikhulu, nangesandla sakho esinamandla, nangengalo yakho eyeluliweyo lapho ebeseza ukukhuleka kule ndlu,

[43] ouve tu nos céus, lugar da tua habitação, e faze tudo o que o estrangeiro te pedir, a fim de que todos os povos da terra conheçam o teu nome, para te temerem como o teu povo de Israel e para saberem que esta casa, que eu edifiquei, é chamada pelo teu nome.

[43] mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, wenze njengakho konke lo wezizwe akhala ngakho kuwe, ukuze bonke abantu bomhlaba bazi igama lakho, bakwesabe wena njengabantu bakho u-Israyeli nokuze bazi ukuthi le ndlu engiyakhileyo ibiziwe ngegama lakho.

[44] Quando o teu povo sair à guerra contra o seu inimigo, pelo caminho por que o enviares, e orar ao SENHOR, voltado para esta cidade, que tu escolheste, e para a casa, que edifiquei ao teu nome,

[44] Uma abantu bakho bephuma impi ukulwa nesitha sabo ngendlela obathuma ngayo, bese bekhuleka kuJehova bebhekene nalo muzi owukhethileyo nale ndlu engiyakhele igama lakho,

[45] ouve tu nos céus a sua oração e a sua súplica e faze-lhe justiça.

[45]mawuzwe wena ezulwini umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume.

[46] Quando pecarem contra ti (pois não há homem que não peque), e tu te indignares contra eles, e os entregares às mãos do inimigo, a fim de que os leve cativos à terra inimiga, longe ou perto esteja;
[47] e, na terra aonde forem levados cativos, caírem em si, e se converterem, e, na terra do seu cativeiro, te suplicarem, dizendo: Pecamos, e perversamente procedemos, e cometemos iniqüidade;
[48] e se converterem a ti de todo o seu coração e de toda a sua alma, na terra de seus inimigos que os levarem cativos, e orarem a ti, voltados para a sua terra, que deste a seus pais, para esta cidade que escolheste e para a casa que edifiquei ao teu nome;
[49] ouve tu nos céus, lugar da tua habitação, a sua prece e a sua súplica e faze-lhes justiça,
[50] perdoa o teu povo, que houver pecado contra ti, todas as suas transgressões que houverem cometido contra ti; e move tu à compaixão os que os levaram cativos para que se compadeçam deles.
[51] Porque é o teu povo e a tua herança, que tiraste da terra do Egito, do meio do forno de ferro;
[52] para que teus olhos estejam abertos à súplica do teu servo e à súplica do teu povo de Israel, a fim de os ouvires em tudo quanto clamarem a ti.
[53] Pois tu, ó SENHOR Deus, os separaste dentre todos os povos da terra para tua herança, como falaste por intermédio do

[46] Uma bona kuwe -- ngokuba akukho muntu ongoniyo -- bese wubathukuthelela wena, ubanikele esitheni, ukuze ababathumbayo babamukisele ezweni lesitha, likude noma liseduze,
[47] kepha bese becabanga ezweni lapho bethunjelwe khona, baphenduke, banxuse kuwe ezweni lababathumbayo ngokuthi: Sonile, senzile ngokuphambeneyo, saziphatha kabi;
[48] uma bephendukela kuwe ngayo yonke inhliziyo yabo nangawo wonke umphefumulo wabo ezweni lezitha zabo ezabathumba, bakhuleke kuwe bebhekene nezwe lakubo owalinika oyise, umuzi owukhethileyo, nendlu engiyakhele igama lakho,
[49]mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume,
[50]uthethelele abantu bakho abonile kuwe nazo zonke iziphambeko zabo abaphambeke kuwe ngazo, ubanike ukuba bathole isihe phambi kwababathumbayo ukuba babaphathe ngesihe.
[51] Ngokuba bangabantu bakho nefa lakho owalikhipha ezweni laseGibithe nasesithandweni sensimbi,
[52] ukuba amehlo akho avulekele ukunxusa kwenceku yakho nokunxusa kwabantu bakho u-Israyeli ukubezwa kukho konke abakhala ngakho kuwe.
[53] Ngokuba wena wabahlukanisa nabantu bonke bomhlaba, babe yifa lakho, njengalokho wakhuluma ngesandla

teu servo Moisés, quando tiraste do Egito a nossos pais.

Salomão abençoa ao povo

54 Tendo Salomão acabado de fazer ao SENHOR toda esta oração e súplica, estando de joelhos e com as mãos estendidas para os céus, se levantou de diante do altar do SENHOR,

55 pôs-se em pé e abençoou a toda a congregação de Israel em alta voz, dizendo:

56 Bendito seja o SENHOR, que deu repouso ao seu povo de Israel, segundo tudo o que prometera; nem uma só palavra falhou de todas as suas boas promessas, feitas por intermédio de Moisés, seu servo.

57 O SENHOR, nosso Deus, seja conosco, assim como foi com nossos pais; não nos desampare e não nos deixe;

58 a fim de que a si incline o nosso coração, para andarmos em todos os seus caminhos e guardarmos os seus mandamentos, e os seus estatutos, e os seus juízos, que ordenou a nossos pais.

59 Que estas minhas palavras, com que supliquei perante o SENHOR, estejam presentes, diante do SENHOR, nosso Deus, de dia e de noite, para que faça ele justiça ao seu servo e ao seu povo de Israel, segundo cada dia o exigir,

60 para que todos os povos da terra saibam que o SENHOR é Deus e que não há outro.

61 Seja perfeito o vosso coração para com o SENHOR, nosso Deus, para andardes nos

sikaMose inceku yakho ekukhipheni obaba eGibithe, Nkosi Jehova.

54Kwathi uSolomoni eseqedile ukukhuleka wonke lo mkhuleko nalokho kunxusa kuJehova, wasuka e-altare likaJehova ekuguqeni ngamadolo akhe, izandla zakhe zelulelwe ngasezulwini.

55 Wema, wabusisa lonke ibandla lakwa-Israyeli ngezwi elikhulu, wathi:

56 Makabongwe uJehova onike abantu bakhe u-Israyeli ukuphumula njengakho konke akushiloyo; akuwanga izwi elilodwa lakho konke ukukhuluma kwakhe okuhle akusho ngesandla sikaMose inceku yakhe.

57UJehova uNkulunkulu wethu makabe nathi njengalokho ayenawobaba; makangasishiyi, angasilahli,

58ukuze adonsele izinhliziyo zethu kuye ukuba sihambe ngezindlela zakhe zonke, sigcine imiyalo yakhe, nezimiso zakhe, nezahlulelo zakhe ayala ngakho obaba.

59Lawo mazwi ami enginxuse ngawo phambi kukaJehova mawabe seduze noJehova uNkulunkulu wethu imini nobusuku ukuba avume inceku yakhe, avume nabantu bakhe u-Israyeli njengokudingeka kwemihla ngemihla,

60ukuba abantu bonke bomhlaba bazi ukuthi uJehova nguye onguNkulunkulu; akakho omunye.

61Inhliziyo mayibe kuJehova uNkulunkulu wethu ngokupheleleyo,

seus estatutos e guardardes os seus mandamentos, como hoje o fazeis.

A conclusão da solenidade
2 Crônicas 7.4-10

62 E o rei e todo o Israel com ele ofereceram sacrifícios diante do SENHOR.

63 Ofereceu Salomão em sacrifício pacífico o que apresentou ao SENHOR, vinte e dois mil bois e cento e vinte mil ovelhas. Assim, o rei e todos os filhos de Israel consagraram a Casa do SENHOR.

64 No mesmo dia, consagrou o rei o meio do átrio que estava diante da Casa do SENHOR; porquanto ali preparara os holocaustos e as ofertas com a gordura dos sacrifícios pacíficos; porque o altar de bronze que estava diante do SENHOR era muito pequeno para nele caberem os holocaustos, as ofertas de manjares e a gordura dos sacrifícios pacíficos.

65 No mesmo tempo, celebrou Salomão também a Festa dos Tabernáculos e todo o Israel com ele, uma grande congregação, desde a entrada de Hamate até ao rio do Egito, perante o SENHOR, nosso Deus; por sete dias além dos primeiros sete, a saber, catorze dias.

66 No oitavo dia desta festa, despediu o povo, e eles abençoaram o rei; então, se

nihambe ngezimiso zakhe, nigcine imiyalo yakhe njenganamuhla.

62 Inkosi naye wonke u-Israyeli enayo banikela ngomhlatshelo phambi kukaJehova.

63USolomoni wanikela kube ngumhlatshelo weminikelo yokuthula, owanikela ngawo kuJehova, izinkunzi eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili nezimvu eziyizinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili. Inkosi nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli bahlambulula-ke indlu kaJehova.

64Ngalona lolo suku inkosi yangcwelisa ingaphakathi legceke elalingaphambi kwendlu kaJehova, ngokuba wanikela lapho ngomnikelo wokushiswa, nangomnikelo wempuphu, nangamanoni eminikelo yokuthula, lokhu i-altare lethusi elaliphambi kukaJehova lalilincane ukuba liwamukele umnikelo wokushiswa, nomnikelo wempuphu, namanoni eminikelo yokuthula.

65 USolomoni wagubha-ke umkhosi ngaleso sikhathi naye wonke u-Israyeli enaye, ibandla elikhulu, kusukela ekuyeni eHamati kuze semfuleni waseGibithe, ngaphambi kukaJehova uNkulunkulu wethu izinsuku eziyisikhombisa nezinsuku eziyisikhombisa, okungukuthi izinsuku eziyishumi nane.

66Ngosuku lwesishiyagalombili wabamukisa abantu, bayibusisa inkosi,

foram às suas tendas, alegres e de coração contente por causa de todo o bem que o SENHOR fizera a Davi, seu servo, e a Israel, seu povo.

1 Reis 9

A aliança do Senhor com Salomão
2 Crônicas 7.11-22

1 Sucedeu, pois, que, tendo acabado Salomão de edificar a Casa do SENHOR, e a casa do rei, e tudo o que tinha desejado e designara fazer,

2 o SENHOR tornou a aparecer-lhe, como lhe tinha aparecido em Gibeão,

3 e o SENHOR lhe disse: Ouvi a tua oração e a tua súplica que fizeste perante mim; santifiquei a casa que edificaste, a fim de pôr ali o meu nome para sempre; os meus olhos e o meu coração estarão ali todos os dias.

4 Se andares perante mim como andou Davi, teu pai, com integridade de coração e com sinceridade, para fazeres segundo tudo o que te mandei e guardares os meus estatutos e os meus juízos,

5 então, confirmarei o trono de teu reino sobre Israel para sempre, como falei acerca de Davi, teu pai, dizendo: Não te faltará sucessor sobre o trono de Israel.

6 Porém, se vós e vossos filhos, de qualquer maneira, vos apartardes de mim

baya ematendeni abo bejabula, bethokoza ngenhliziyo ngakho konke okuhle uJehova akwenzile kuDavide inceku yakhe naku-Israyeli abantu bakhe.

1 AmaKhosi 9

UJehova uyabonakala kuSolomoni

1 Kwathi uSolomoni eseqedile ukwakha indlu kaJehova, nendlu yenkosi, nakho konke ukufisa kukaSolomoni ayefune ukukwenza,

2 uJehova wabonakala kuSolomoni ngokwesibili, njengalokho ayebonakele kuye eGibeyoni.

3 UJehova wathi kuye: Ngiwuzwile umkhuleko wakho nokunxusa kwakho onxuse ngakho phambi kwami; ngiyingcwelisile le ndlu oyakhileyo ukuba ngibeke khona igama lami kuze kube phakade; amehlo ami nenhliziyo yami kuyakuba khona izinsuku zonke.

4 Wena-ke, uma uyakuhamba phambi kwami njengokuhamba kukaDavide uyihlo, ngenhliziyo engenacala nangobuqotho, ukuba wenze konke engikuyale ngakho, ugcine izimiso zami nezahlulelo zami,

5 ngiyakusimisa isihlalo sobukhosi sombuso wakho kwa-Israyeli kuze kube phakade, njengalokho ngasho kuDavide uyihlo ukuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli.

6 Kodwa uma nibuya ekungilandeleni, nina noma abantwana benu, ningagcini

e não guardardes os meus mandamentos e os meus estatutos, que vos prescrevi, mas fordes, e servirdes a outros deuses, e os adorardes,

imiyalo yami nezimiso zami engikubeke phambi kwenu, kepha nihambe nikhonze abanye onkulunkulu, nikhuleke kubo,

[7] então, eliminarei Israel da terra que lhe dei, e a esta casa, que santifiquei a meu nome, lançarei longe da minha presença; e Israel virá a ser provérbio e motejo entre todos os povos.

[7]ngiyakumnquma u-Israyeli ezweni engimnike lona; nale ndlu engiyingcwelisele igama lami ngiyakuyilahla ebusweni bami, u-Israyeli abe yisaga nesifenqo phakathi kwabantu bonke.

[8] E desta casa, agora tão exaltada, todo aquele que por ela passar pasmará, e assobiará, e dirá: Por que procedeu o SENHOR assim para com esta terra e esta casa?

[8] Noma le ndlu iphakeme kangaka, bonke abadlula kuyo bayakumangala, banximfe, bathi: UJehova wenzeleni kanje kuleli zwe nakule ndlu na?

[9] Responder-se-lhe-á: Porque deixaram o SENHOR, seu Deus, que tirou da terra do Egito os seus pais, e se apegaram a outros deuses, e os adoraram, e os serviram. Por isso, trouxe o SENHOR sobre eles todo este mal.

[9]Bayakuphendula ngokuthi: Kungokuba bamshiya uJehova uNkulunkulu wabo owakhipha oyise ezweni laseGibithe, banamathela kwabanye onkulunkulu, bakhuleka kubo, babakhonza; ngalokho uJehova ubehlisele konke lokho okubi.

As demais atividades de Salomão
2 Crônicas 8.1-18

[10] Ao fim de vinte anos, terminara Salomão as duas casas, a Casa do SENHOR e a casa do rei.

UHiramu uphiwa imizi

[10] Kwathi ngasekupheleni kweminyaka engamashumi amabili uSolomoni akhe ngayo izindlu zombili, indlu kaJehova nendlu yenkosi,

[11] Ora, como Hirão, rei de Tiro, trouxera a Salomão madeira de cedro e de cipreste e ouro, segundo todo o seu desejo, este lhe deu vinte cidades na terra da Galiléia.

[11]uHiramu inkosi yaseTire owayemsizile uSolomoni ngemisedari nangemisayipuresi nangegolide njengokufisa kwakhe konke wanikwa yinkosi uSolomoni imizi engamashumi amabili ezweni laseGalile.

[12] Saiu Hirão de Tiro a ver as cidades que Salomão lhe dera, porém não lhe agradaram.

[12]UHiramu waphuma eTire ukuyobona imizi uSolomoni amnike yona, ayimthokozisanga.

[13] Pelo que disse: Que cidades são estas que me deste, irmão meu? E lhes chamaram Terra de Cabul, até hoje.

[14] Hirão tinha enviado ao rei cento e vinte talentos de ouro.

[15] A razão por que Salomão impôs o trabalho forçado é esta: edificar a Casa do SENHOR, e a sua própria casa, e Milo, e o muro de Jerusalém, como também Hazor, e Megido, e Gezer;

[16] porque Faraó, rei do Egito, subira, e tomara a Gezer, e a queimara, e matara os cananeus que moravam nela, e com ela dotara a sua filha, mulher de Salomão.

[17] Assim, edificou Salomão Gezer, Bete-Horom, a baixa,

[18] Baalate, Tadmor, no deserto daquela terra,

[19] todas as cidades-armazéns que Salomão tinha, as cidades para os carros, as cidades para os cavaleiros e o que desejou enfim edificar em Jerusalém, no Líbano e em toda a terra do seu domínio.

[20] Quanto a todo o povo que restou dos amorreus, heteus, ferezeus, heveus e jebuseus, e que não eram dos filhos de Israel,

[21] a seus filhos, que restaram depois deles na terra, os quais os filhos de Israel não puderam destruir totalmente, a esses fez Salomão trabalhadores forçados, até hoje.

[13]Wathi: Iyini le mizi onginike yona, mfowethu, na? Wayibiza ngokuthi izwe laseKabuli kuze kube namuhla.

[14]UHiramu wayesethuma enkosini amatalenta ayikhulu namashumi amabili egolide.

Izisebenzi nezindlu zikaSolomoni. Iminikelo yakhe

[15] Indaba yezisebenzi ezabizwa yinkosi uSolomoni ukwakha indlu kaJehova, nendlu yakhe, neMilo, nogange lwaseJerusalema, neHasori, neMegido, neGezeri inje:

[16] uFaro inkosi yaseGibithe wayenyukile wathatha iGezeri, walishisa ngomlilo, wabulala amaKhanani ayehlezi emzini, walinika umkaSolomoni indodakazi yakhe, libe yisipho sakhe.

[17]USolomoni wakha iGezeri neBeti Horoni laseNzansi,

[18]neBalati, neTamari lasehlane lalelo zwe,

[19] nayo yonke imizi yokubekelela uSolomoni ayenayo, nemizi yezinqola zakhe, nemizi yabamahhashi bakhe, nalokhu uSolomoni ayefisa ukwakha khona eJerusalema, naseLebanoni, nasezweni lonke lapho ebusa khona.

[20]Abantu bonke abaseleyo kuma Amori, namaHeti, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi, abangesibo abantwana bakwa-Israyeli,

[21]abantwana babo abasala ezweni emva kwabo, abantwana bakwa-Israyeli ababengenamandla okubaqeda, kubona

22 Porém dos filhos de Israel não fez Salomão escravo algum; eram homens de guerra, e seus oficiais, e seus príncipes, e seus capitães, e chefes dos seus carros e dos seus cavalarianos.

23 Os principais oficiais que estavam sobre a obra de Salomão eram quinhentos e cinqüenta; tinham estes a seu cargo o povo que trabalhava na obra.

24 Subiu, porém, a filha de Faraó da Cidade de Davi à sua casa, que Salomão lhe edificara; então, edificou a Milo.

25 Oferecia Salomão, três vezes por ano, holocaustos e sacrifícios pacíficos sobre o altar que edificara ao SENHOR e queimava incenso sobre o altar perante o SENHOR. Assim, acabou ele a casa.

26 Fez o rei Salomão também naus em Eziom-Geber, que está junto a Elate, na praia do mar Vermelho, na terra de Edom.

27 Mandou Hirão, com aquelas naus, os seus servos, marinheiros, conhecedores do mar, com os servos de Salomão.

28 Chegaram a Ofir e tomaram de lá quatrocentos e vinte talentos de ouro, que trouxeram ao rei Salomão.

uSolomoni wabiza izisebenzi eziyizigqila kuze kube namuhla.

22 Kodwa kubantwana bakwa-Israyeli uSolomoni akakhiphanga izigqila ngokuba bona babe ngamadoda empi, nezinceku zakhe, nezikhulu zakhe, nezinduna zakhe, nabaphathi bezinqola zakhe, nabamahhashi bakhe.

23Izinduna ezinkulu ezaziphethe umsebenzi kaSolomoni zazingamakhulu ayisihlanu namashumi ayisihlanu; zaziphethe abantu ababesebenza emsebenzini.

24 Kodwa indodakazi kaFaro yenyuka emzini kaDavide, yaya endlini yayo ayakhele yona; wayeselakha iMilo.

25 Kathathu ngomnyaka uSolomoni wanikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula e-altare ayelakhele uJehova, eshisa impepho kanye nayo phambi kukaJehova. Wayeseyiqedile indlu.

Imikhumbi kaSolomoni

26Inkosi uSolomoni yenza imikhumbi e-Esiyoni Geberi elingaseceleni kwe-Eloti ogwini loLwandle Olubomvu ezweni lakwa-Edomi.

27UHiramu wathuma ngale mikhumbi izinceku zakhe, amadoda emikhumbi ayelwazi ulwandle, kanye nezinceku zikaSolomoni.

28Zafika e-Ofiri, zalanda khona igolide, amatalenta angamakhulu amane namashumi amabili, zaliletha enkosini uSolomoni.

1 Reis 10

A rainha de Sabá visita a Salomão
2 Crônicas 9.1-12

1 Tendo a rainha de Sabá ouvido a fama de Salomão, com respeito ao nome do SENHOR, veio prová-lo com perguntas difíceis.

2 Chegou a Jerusalém com mui grande comitiva; com camelos carregados de especiarias, e muitíssimo ouro, e pedras preciosas; compareceu perante Salomão e lhe expôs tudo quanto trazia em sua mente.

3 Salomão lhe deu resposta a todas as perguntas, e nada lhe houve profundo demais que não pudesse explicar.

4 Vendo, pois, a rainha de Sabá toda a sabedoria de Salomão, e a casa que edificara,

5 e a comida da sua mesa, e o lugar dos seus oficiais, e o serviço dos seus criados, e os trajes deles, e seus copeiros, e o holocausto que oferecia na Casa do SENHOR, ficou como fora de si

6 e disse ao rei: Foi verdade a palavra que a teu respeito ouvi na minha terra e a respeito da tua sabedoria.

7 Eu, contudo, não cria naquelas palavras, até que vim e vi com os meus próprios olhos. Eis que não me contaram a metade: sobrepujas em sabedoria e prosperidade a fama que ouvi.

1 AmaKhosi 10

Inkosikazi yaseSheba

1 Inkosikazi yaseSheba isizwile udumo lukaSolomoni ngegama likaJehova yeza ukumvivinya ngezimfumbe.

2 Yeza eJerusalema inehele elikhulu kakhulu, namakamela ethwele amakha, negolide eliningi kakhulu, namatshe ayigugu; isifikile kuSolomoni yakhuluma naye ngakho konke okusenhliziyweni yayo.

3 USolomoni wayiphendula ezindabeni zayo zonke. Kwakungekho nto eyayifihlelwe inkosi, engayitshelanga yona.

4 Inkosikazi yaseSheba isibonile konke ukuhlakanipha kukaSolomoni, nendlu ayakhileyo,

5 nokudla kwasetafuleni lakhe, nokuhlala kwezinceku zakhe, nokuma kwezikhonzi zakhe, nezambatho zazo, nabaphathizitsha bakhe, nomnikelo wakhe wokushiswa owanikela ngawo endlini kaJehova, akwabe kusabakho moya kuyo.

6 Yathi enkosini: Yayiqinisile indaba engayizwa ezweni lami ngamazwi akho nangokuhlakanipha kwakho.

7 Kepha angikholwanga ngamazwi ngaze ngafika, kwabona amehlo ami; bheka, angitshelwanga nanxenye; udlula ngokuhlakanipha nenhlanhla udumo engaluzwa.

[8] Felizes os teus homens, felizes estes teus servos, que estão sempre diante de ti e que ouvem a tua sabedoria!

[9] Bendito seja o SENHOR, teu Deus, que se agradou de ti para te colocar no trono de Israel; é porque o SENHOR ama a Israel para sempre, que te constituiu rei, para executares juízo e justiça.

[10] Deu ela ao rei cento e vinte talentos de ouro, e muitíssimas especiarias, e pedras preciosas; nunca mais veio especiaria em tanta abundância, como a que a rainha de Sabá ofereceu ao rei Salomão.

[11] Também as naus de Hirão, que de Ofir transportavam ouro, traziam de lá grande quantidade de madeira de sândalo e pedras preciosas.

[12] Desta madeira de sândalo, fez o rei balaústres para a Casa do SENHOR e para a casa real, como também harpas e alaúdes para os cantores; tal madeira nunca se havia trazido para ali, nem se viu mais semelhante madeira até ao dia de hoje.

[13] O rei Salomão deu à rainha de Sabá tudo quanto ela desejou e pediu, afora tudo o que lhe deu por sua generosidade real. Assim, voltou e se foi para a sua terra, com os seus servos.

As riquezas de Salomão

2 Crônicas 1.14-17; 9.13-28

[8]Babusisiwe abantu bakho, zibusisiwe lezi zinceku zakho ezimi njalo phambi kwakho, zizwa ukuhlakanipha kwakho.

[9] Makabongwe uJehova uNkulunkulu wakho owenamele wena ukuba akubeke esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli; ngokuba uJehova wamthanda u-Israyeli kuze kube phakade, ngalokho wakubeka inkosi ukuba wenze ukwahlulela nokulunga.

[10]Yanika inkosi amatalenta ayikhulu namashumi amabili egolide, namakha amaningi kakhulu, namatshe ayigugu; akuzange kusafika amakha amaningi kangaka njengalawo inkosi uSolomoni eyaphiwa wona yinkosikazi yaseSheba.

[11] Nemikhumbi kaHiramu eyathwala igolide livela e-Ofiri yathutha futhi e-Ofiri imi-alimugi namatshe ayigugu.

[12]Ngemi-alimugi inkosi yenzela indlu kaJehova nendlu yenkosi izinsika kanye namahabhu nezingubhu zabahlabeleli; imi-alimugi eminingi kangaka ayizange isafika, kayibonwanga futhi, kuze kube namuhla.

[13]Inkosi uSolomoni yanika inkosikazi yaseSheba konke ekufunayo nekucelayo ngaphandle kwalokho uSolomoni ayinika khona ngokuphana kwenkosi. Yayisibuya, yaya ezweni layo, yona nezinceku zayo.

Ukuceba kukaSolomoni nobukhosi bakhe; ukuhlakanipha kwakhe nobukhulu bakhe

[14] O peso do ouro que se trazia a Salomão cada ano era de seiscentos e sessenta e seis talentos de ouro,

[15] além do que entrava dos vendedores, e do tráfico dos negociantes, e de todos os reis da Arábia, e dos governadores da terra.

[16] Fez o rei Salomão duzentos paveses de ouro batido; seiscentos siclos de ouro mandou pesar para cada pavês;

[17] fez também trezentos escudos de ouro batido; três arráteis de ouro mandou pesar para cada escudo. E o rei os pôs na Casa do Bosque do Líbano.

[18] Fez mais o rei um grande trono de marfim e o cobriu de ouro puríssimo.

[19] O trono tinha seis degraus; o espaldar do trono, ao alto, era redondo; de ambos os lados tinha braços junto ao assento e dois leões junto aos braços.

[20] Também doze leões estavam ali sobre os seis degraus, um em cada extremo destes. Nunca se fizera obra semelhante em nenhum dos reinos.

[21] Todas as taças de que se servia o rei Salomão para beber eram de ouro, e também de ouro puro todas as da Casa do Bosque do Líbano; não havia nelas prata,

[14]Isisindo segolide elalifika kuSolomoni iminyaka yonke sasingamatalenta angamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesithupha egolide

[15]ngaphandle kokuvela kubahwebi, nasenzuzweni yabathengisi, nasemakhosini ase-Arabiya, nakubabusi bezwe.

[16]Inkosi uSolomoni yenza izihlangu ezingamakhulu amabili zegolide elikhandiweyo, kwaba ngamashekeli angamakhulu ayisithupha egolide elikhandiweyo kuso isihlangu sisinye,

[17] kanjalo namahawu angamakhulu amathathu egolide elikhandiweyo, amamane amathathu egolide kulo ihawu lilinye; inkosi yawabeka endlini yehlathi laseLebanoni.

[18]Inkosi yenza nesihlalo sobukhosi esikhulu sezimpondo zendlovu, yasinameka ngegolide elicwengekileyo.

[19]Isihlalo sobukhosi sasinezikhwelo eziyisithupha, isihloko saso sasiyisiyingelezi emuva; kwakukhona imikhono ngalapha nangalapha kwendawo yokuhlala, kumi izingonyama ezimbili ngaseceleni kwemikhono.

[20]Kwakumi izingonyama eziyishumi nambili ngalapha nangalapha ezikhwelweni eziyisithupha. Okunjalo akwenziwanga komunye umbuso.

[21]Zonke izitsha zokuphuza zenkosi uSolomoni zaziyigolide, nazo zonke izitsha zendlu yehlathi laseLebanoni zaziyigolide elicwengekileyo, kungekho

porque nos dias de Salomão não se dava a ela estimação nenhuma.

ezesiliva, lona lingento yalutho emihleni kaSolomoni.

[22] Porque o rei tinha no mar uma frota de Társis, com as naus de Hirão; de três em três anos, voltava a frota de Társis, trazendo ouro, prata, marfim, bugios e pavões.

[22]Ngokuba inkosi yayinemikhumbi yaseTharishishi elwandle kanye nemikhumbi kaHiramu; kanye ngeminyaka emithathu yafika imikhumbi yaseTharishishi iletha igolide, nesiliva, nezimpondo zendlovu, nezimfene, namapikoko.

[23] Assim, o rei Salomão excedeu a todos os reis do mundo, tanto em riqueza como em sabedoria.

[23] Inkosi uSolomoni yaba nkulu kunawo onke amakhosi omhlaba ngengcebo nangokuhlakanipha.

[24] Todo o mundo procurava ir ter com ele para ouvir a sabedoria que Deus lhe pusera no coração.

[24] Wonke umhlaba wafuna ukubona ubuso bukaSolomoni ukuba uzwe ukuhlakanipha kwakhe, uNkulunkulu akubekile enhliziyweni yakhe.

[25] Cada um trazia o seu presente: objetos de prata e de ouro, roupas, armaduras, especiarias, cavalos e mulas; assim, ano após ano.

[25]Baletha, kwaba yilowo nalowo isipho sakhe, izitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezingubo, nezikhali, namakha, namahhashi, neminyuzi, okwenziwa iminyaka ngeminyaka.

[26] Também ajuntou Salomão carros e cavaleiros, tinha mil e quatrocentos carros e doze mil cavalarianos, que distribuiu às cidades para os carros e junto ao rei, em Jerusalém.

[26] USolomoni wabutha izinqola nabamahhashi; wayenezinqola eziyinkulungwane namakhulu amane nabamahhashi abayizinkulungwane eziyishumi nambili owakubeka emizini yezinqola nasenkosini eJerusalema.

[27] Fez o rei que, em Jerusalém, houvesse prata como pedras e cedros em abundância como os sicômoros que estão nas planícies.

[27]Inkosi yenza isiliva livame eJerusalema njengamatshe, nemisedari yayenza ibe njengemithombe esigodini ngobuningi.

[28] Os cavalos de Salomão vinham do Egito e da Cilícia; e comerciantes do rei os recebiam da Cilícia por certo preço.

[28] Amahhashi uSolomoni ayenawo ayekhishwe eGibithe naseKuwe; abathengi benkosi bawamukela eKuwe ngemali yawo.

[29] Importava-se, do Egito, um carro por seiscentos siclos de prata e um cavalo por cento e cinqüenta; nas mesmas condições, as caravanas os traziam e os exportavam para todos os reis dos heteus e para os reis da Síria.

1 Reis 11

A idolatria de Salomão

[1] Ora, além da filha de Faraó, amou Salomão muitas mulheres estrangeiras: moabitas, amonitas, edomitas, sidônias e hetéias,

[2] mulheres das nações de que havia o SENHOR dito aos filhos de Israel: Não caseis com elas, nem casem elas convosco, pois vos perverteriam o coração, para seguirdes os seus deuses. A estas se apegou Salomão pelo amor.

[3] Tinha setecentas mulheres, princesas e trezentas concubinas; e suas mulheres lhe perverteram o coração.

[4] Sendo já velho, suas mulheres lhe perverteram o coração para seguir outros deuses; e o seu coração não era de todo fiel para com o SENHOR, seu Deus, como fora o de Davi, seu pai.

[5] Salomão seguiu a Astarote, deusa dos sidônios, e a Milcom, abominação dos amonitas.

[29]Inqola yenyuka yaphuma eGibithe ngamashekeli angamakhulu ayisithupha esiliva nehhashi ngayikhulu namashumi ayisihlanu; bawakhiphela kanjalo onke amakhosi amaHeti namakhosi ase-Aramu ngezandla zabo.

1 AmaKhosi 11

Abafazi bakaSolomoni nokuduka kwakhe

[1]Inkosi uSolomoni yathanda abesifazane abaningi bezizwe kanye nendodakazi kaFaro, abangamaMowabikazi, nama-Amonikazi, nama-Edomikazi, namaSidonikazi, namaHetikazi,

[2] abezizwe uJehova ayeshilo ngabo kwabakwa-Israyeli ukuthi: Aniyikungena kubo, nabo bangangeni kini, ngokuba impela bayakuziphambukisa izinhliziyo zenu, zize zilandele onkulunkulu babo. Kulabo uSolomoni wanamathela ngothando.

[3]Wayenabafazi abangamakhulu ayisikhombisa abangamadodakazi amakhosi, nezancinza ezingamakhulu amathathu; omkakhe bayiphambukisa inhliziyo yakhe.

[4]Kwathi uSolomoni esemdala, omkakhe bayiphambukisa inhliziyo yakhe ukuba ilandele abanye onkulunkulu; inhliziyo yakhe yayingekho kuJehova uNkulunkulu wakhe ngokuphelelyo njengenhliziyo kaDavide uyise.

[5] USolomoni walandela u-Ashitaroti unkulunkulukazi wamaSidoni noMilkomu isinengiso sabakwa-Amoni.

[6] Assim, fez Salomão o que era mau perante o SENHOR e não perseverou em seguir ao SENHOR, como Davi, seu pai.

[7] Nesse tempo, edificou Salomão um santuário a Quemos, abominação de Moabe, sobre o monte fronteiro a Jerusalém, e a Moloque, abominação dos filhos de Amom.

[8] Assim fez para com todas as suas mulheres estrangeiras, as quais queimavam incenso e sacrificavam a seus deuses.

A ira de Deus contra Salomão

[9] Pelo que o SENHOR se indignou contra Salomão, pois desviara o seu coração do SENHOR, Deus de Israel, que duas vezes lhe aparecera.

[10] E acerca disso lhe tinha ordenado que não seguisse a outros deuses. Ele, porém, não guardou o que o SENHOR lhe ordenara.

[11] Por isso, disse o SENHOR a Salomão: Visto que assim procedeste e não guardaste a minha aliança, nem os meus estatutos que te mandei, tirarei de ti este reino e o darei a teu servo.

[12] Contudo, não o farei nos teus dias, por amor de Davi, teu pai; da mão de teu filho o tirarei.

[13] Todavia, não tirarei o reino todo; darei uma tribo a teu filho, por amor de Davi, meu servo, e por amor de Jerusalém, que escolhi.

[6]USolomoni wenza okubi emehlweni kaJehova, kamlandelanga uJehova ngokupheleleyo njengoDavide uyise.

[7] USolomoni wakhela uKemoshi isinengiso sakwaMowabi indawo ephakemeyo entabeni engaphambi kweJerusalema, noMoloki isinengiso sabantwana bakwa-Amoni.

[8]Wabenzela kanjalo bonke omkakhe bezizwe abashisa impepho, bahlabela onkulunkulu babo.

[9] UJehova wamthukuthelela uSolomoni, ngokuba inhliziyo yakhe yayiphambukile kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owayebonakele kuye kabili,

[10] wamyala ngale nto yokuthi akayikulandela abanye onkulunkulu; kepha akagcinanga lokho uJehova amyale ngakho.

[11] Ngalokho uJehova wathi kuSolomoni: Njengokuba wenzile lokho wena, ungagcinanga isivumelwano sami nezimiso zami engikuyale ngakho, ngiyakuwuhlwitha nokuhlwitha umbuso kuwe, ngiwunike inceku yakho.

[12]Kepha angiyikukwenza emihleni yakho ngenxa kaDavide uyihlo, kodwa ngiyakuwuhlwitha esandleni sendodana yakho.

[13]Nokho wonke umbuso angiyikuwuhlwitha, kepha ngiyakunika indodana yakho isizwe sibe sinye ngenxa kaDavide inceku yami nangenxa yeJerusalema engilikhethileyo.

Deus suscita adversários contra Salomão

[14] Levantou o SENHOR contra Salomão um adversário, Hadade, o edomita; este era da linhagem real de Edom.

[15] Porque, estando Davi em Edom e tendo subido Joabe, comandante do exército, a sepultar os mortos, feriu todos os varões em Edom.

[16] (Porque Joabe ficou ali seis meses com todo o Israel, até que eliminou todos os varões em Edom.)

[17] Hadade, porém, fugiu, e, com ele, alguns homens edomitas, dos servos de seu pai, para ir ao Egito; era Hadade ainda muito jovem.

[18] Partiram de Midiã e seguiram a Parã, de onde tomaram consigo homens e chegaram ao Egito, a Faraó, rei do Egito, o qual deu a Hadade uma casa, e lhe prometeu sustento, e lhe deu terras.

[19] Achou Hadade grande mercê por parte de Faraó, tanta que este lhe deu por mulher a irmã de sua própria mulher,

[20] a irmã de Tafnes, a rainha. A irmã de Tafnes deu-lhe à luz seu filho Genubate, o qual Tafnes criou na casa de Faraó, onde Genubate ficou entre os filhos de Faraó.

[21] Tendo, pois, Hadade ouvido no Egito que Davi descansara com seus pais e que Joabe, comandante do exército, era morto, disse a Faraó: Deixa-me voltar para a minha terra.

[22] Então, Faraó lhe disse: Pois que te falta comigo, que procuras partir para a tua

UNkulunkulu umvusela uSolomoni izitha

[14]UJehova wamvusela uSolomoni omelana naye, uHadadi wakwa-Edomi; wayengowozalo lwenkosi yakwa-Edomi.

[15] Kwathi uDavide ekwa-Edomi, noJowabe induna yempi enyukele ukumbela ababuleweyo, ebacekile bonke abesilisa kwa-Edomi

[16]ngokuba uJowabe naye wonke u-Israyeli bahlala khona izinyanga eziyisithupha, waze waqeda bonke abesilisa kwa-Edomi

[17]uHadadi wabaleka, yena nabakwa-Edomi abathile bezinceku zikayise benaye, ukuya eGibithe, uHadadi esengumntwana omncane.

[18]Basuka kwaMidiyani, beza ePharanu; bathatha amadoda ePharanu, baya nawo eGibithe kuFaro inkosi yaseGibithe; yena wamnika indlu, wamnqumela ukudla, wamnika nezwe.

[19]UHadadi wafumana umusa omkhulu emehlweni kaFaro, waze wamnika umlamu wakhe abe ngumkakhe, udadewabo wenkosikazi uThahipenesi.

[20]Udadewabo kaThahipenesi wamzalela uGenubati, indodana yakhe, uThahipenesi amlumula endlini kaFaro; uGenubati wayesendlini kaFaro phakathi kwamadodana kaFaro.

[21]UHadadi esezwile eGibithe ukuthi uDavide ulele koyise nokuthi uJowabe induna yempi ufile, uHadadi wathi kuFaro: Ngivumele ukuba ngihambe ngiye ezweni lakithi.

[22]UFaro wathi kuye: Uswele ntoni lapha kimi ukuba ufune ukuya ezweni lakini na?

terra? Respondeu ele: Nada; porém deixa-me ir.

[23] Também Deus levantou a Salomão outro adversário, Rezom, filho de Eliada, que havia fugido de seu senhor Hadadezer, rei de Zobá.

[24] Ele ajuntou homens e se fez capitão de um bando; depois do morticínio feito por Davi, eles se foram para Damasco, onde habitaram e onde constituíram rei a Rezom.

[25] Este foi adversário de Israel por todos os dias de Salomão, fez-lhe mal como Hadade, detestava a Israel e reinava sobre a Síria.

Aías prediz a Jeroboão que este reinará sobre Israel

[26] Jeroboão, filho de Nebate, efraimita de Zereda, servo de Salomão, e cuja mãe era mulher viúva, por nome Zerua, levantou a mão contra o rei.

[27] Esta foi a causa por que levantou a mão contra o rei: Salomão estava edificando a Milo e terraplenando depressões da Cidade de Davi, seu pai.

[28] Ora, vendo Salomão que Jeroboão era homem valente e capaz, moço laborioso, ele o pôs sobre todo o trabalho forçado da casa de José.

[29] Sucedeu, nesse tempo, que, saindo Jeroboão de Jerusalém, o encontrou o profeta Aías, o silonita, no caminho; este se tinha vestido de uma capa nova, e estavam sós os dois no campo.

Wathi: Lutho, kepha mangivunyelwe impela ukuba ngihambe.

[23]UNkulunkulu wamvusela omunye omelana naye, uRezoni indodana ka-Eliyada owayebalekele inkosi yakhe uHadadezeri inkosi yaseSoba.

[24]Lapho uDavide ebabulala, wazibuthela abantu, waba yinduna yeviyo; baya eDamaseku, bahlala khona, babusa eDamaseku.

[25]Wamelana no-Israyeli zonke izinsuku zikaSolomoni phezu kokubi akwenzayo uHadadi, wanengwa ngu-Israyeli, wabusa e-Aramu.

Isiprofetho sika-Ahiya

[26]UJerobowamu indodana kaNebati wakwa-Efrayimi waseSereda, inceku kaSolomoni, ogama likanina lalinguSeruya, umfelokazi, naye waphakamisela enkosini isandla sakhe.

[27]Isizathu sokuba aphakamisele isandla sakhe enkosini sasiyilesi: USolomoni wayelakha iMilo, wavala isikhala emzini kaDavide uyise.

[28]Leyo ndoda uJerobowamu yayiyiqhawe elinamandla; uSolomoni wayibona leyo nsizwa ukuthi ikhuthele emsebenzini wayo, wayibeka phezu kwawo wonke umsebenzi wendlu kaJosefa.

[29]Kwathi ngaleso sikhathi, lapho uJerobowamu ephumile eJerusalema, umprofethi u-Ahiya waseShilo wamfumana endleleni, embethe ingubo entsha; labo bobabili babebodwa endle.

[30] Aías pegou na capa nova que tinha sobre si, rasgou-a em doze pedaços

[30]U-Ahiya wayibamba leyo ngubo entsha eyayikuye, wayiklebhula imidweshu eyishumi nambili.

[31] e disse a Jeroboão: Toma dez pedaços, porque assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Eis que rasgarei o reino da mão de Salomão, e a ti darei dez tribos.

[31]Wayesethi kuJerobowamu: Zithathele imidweshu eyishumi, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli usho kanje, uthi: Bheka, ngiyakuhlwitha umbuso esandleni sikaSolomoni, nginike wena izizwe eziyishumi

[32] Porém ele terá uma tribo, por amor de Davi, meu servo, e por amor de Jerusalém, a cidade que escolhi de todas as tribos de Israel.

[32] kodwa yena uyakuba nesizwe sibe sinye ngenxa yenceku yami uDavide nangenxa yeJerusalema, umuzi engiwukhethileyo ezizweni zonke zakwa-Israyeli

[33] Porque Salomão me deixou e se encurvou a Astarote, deusa dos sidônios, a Quemos, deus de Moabe, e a Milcom, deus dos filhos de Amom; e não andou nos meus caminhos para fazer o que é reto perante mim, a saber, os meus estatutos e os meus juízos, como fez Davi, seu pai.

[33]ngokuba bangishiyile, bakhuleka ku-Ashitaroti unkulunkulukazi wamaSidoni, nakuKemoshi unkulunkulu wakwaMowabi, nakuMilkomu unkulunkulu wabakwa-Amoni, abahambanga ngezindlela zami ukwenza okulungile emehlweni ami, nezimiso zami, nezahlulelo zami njengoDavide uyise.

[34] Porém não tomarei da sua mão o reino todo; pelo contrário, fá-lo-ei príncipe todos os dias da sua vida, por amor de Davi, meu servo, a quem elegi, porque guardou os meus mandamentos e os meus estatutos.

[34] Nokho angiyikususa wonke umbuso esandleni sakhe, kepha ngiyakumenza abe yisikhulu zonke izinsuku zokuhamba kwakhe ngenxa kaDavide inceku yami engamkhethayo, owagcina imiyalo yami nezimiso zami;

[35] Mas da mão de seu filho tomarei o reino, a saber, as dez tribos, e tas darei a ti.

[35]kodwa ngiyakuwukhipha umbuso esandleni sendodana yakhe, ngiwunike wena, izizwe eziyishumi.

[36] E a seu filho darei uma tribo; para que Davi, meu servo, tenha sempre uma lâmpada diante de mim em Jerusalém, a

[36] Indodana yakhe ngiyakuyinika isizwe sibe sinye, ukuze uDavide inceku yami abe nesibani izinsuku zonke phambi kwami

cidade que escolhi para pôr ali o meu nome.

[37] Tomar-te-ei, e reinarás sobre tudo o que desejar a tua alma; e serás rei sobre Israel.

[38] Se ouvires tudo o que eu te ordenar, e andares nos meus caminhos, e fizeres o que é reto perante mim, guardando os meus estatutos e os meus mandamentos, como fez Davi, meu servo, eu serei contigo, e te edificarei uma casa estável, como edifiquei a Davi, e te darei Israel.

[39] Por isso, afligirei a descendência de Davi; todavia, não para sempre.

[40] Pelo que Salomão procurou matar a Jeroboão; este, porém, se dispôs e fugiu para o Egito, a ter com Sisaque, rei do Egito; e ali permaneceu até à morte de Salomão.

A morte de Salomão

2 Crônicas 9.29-31

[41] Quanto aos mais atos de Salomão, a tudo quanto fez, e à sua sabedoria, porventura, não estão escritos no Livro da História de Salomão?

[42] Foi de quarenta anos o tempo que reinou Salomão em Jerusalém sobre todo o Israel.

[43] Descansou com seus pais e foi sepultado na Cidade de Davi, seu pai; e Roboão, seu filho, reinou em seu lugar.

1 Reis 12

Roboão causa separação entre as tribos

2 Crônicas 10.1-15

eJerusalema, umuzi engiwukhethileyo ukuba ngibeke khona igama lami.

[37]Ngiyakukuthatha wena, ubuse phezu kwakho konke okuthandwa yinhliziyo yakho, ube yinkosi phezu kuka-Israyeli.

[38]Kuyakuthi uma ulalela konke engikuyala ngakho, uhambe ngezindlela zami, wenze okulungile emehlweni ami ukugcina izimiso zami nemiyalo yami njengalokho akwenza uDavide inceku yami, ngiyakuba nawe, ngikwakhele indlu eyiyo njengalokho ngamakhela uDavide, ngikunike u-Israyeli.

[39]Ngenxa yalokho ngiyakuyithobisa inzalo kaDavide, kodwa akuyikuba njalonjalo.

[40]USolomoni wayesefuna ukumbulala uJerobowamu, kepha uJerobowamu wasuka, wabalekela eGibithe kuShishaki inkosi yaseGibithe, wahlala eGibithe waze wafa uSolomoni.

Ukufa kukaSolomoni

[41] Ezinye izindaba zikaSolomoni, nakho konke akwenzayo, nokuhlakanipha kwakhe, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zikaSolomoni.

[42]Isikhathi uSolomoni abusa ngaso eJerusalema phezu kuka-Israyeli wonke sasiyiminyaka engamashumi amane.

[43]USolomoni wayeselala koyise, wembelwa emzini kaDavide uyise; uRehobowamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

1 AmaKhosi 12

Ukumiswa kukaRehobowamu; ukuhlubuka kwezizwe eziyishumi

[1] Foi Roboão a Siquém, porque todo o Israel se reuniu lá, para o fazer rei.

[2] Tendo Jeroboão, filho de Nebate, ouvido isso (pois estava ainda no Egito, para onde fugira da presença do rei Salomão, onde habitava

[3] e donde o mandaram chamar), veio com toda a congregação de Israel a Roboão, e lhe falaram:

[4] Teu pai fez pesado o nosso jugo; agora, pois, alivia tu a dura servidão de teu pai e o seu pesado jugo que nos impôs, e nós te serviremos.

[5] Ele lhes respondeu: Ide-vos e, após três dias, voltai a mim. E o povo se foi.

[6] Tomou o rei Roboão conselho com os homens idosos que estiveram na presença de Salomão, seu pai, quando este ainda vivia, dizendo: Como aconselhais que se responda a este povo?

[7] Eles lhe disseram: Se, hoje, te tornares servo deste povo, e o servires, e, atendendo, falares boas palavras, eles se farão teus servos para sempre.

[8] Porém ele desprezou o conselho que os anciãos lhe tinham dado e tomou conselho com os jovens que haviam crescido com ele e o serviam.

[9] E disse-lhes: Que aconselhais vós que respondamos a este povo que me falou,

[1] URehobowamu waya eShekemi, ngokuba wonke u-Israyeli wayefikile eShekemi ukumbeka inkosi.

[2] Kwathi lapho uJerobowamu indodana kaNebati ekuzwile -- ngokuba wayeseGibithe, lapho ayebalekele khona, ebalekele ubuso benkosi uSolomoni; wahlala-ke uJerobowamu eGibithe,

[3]kepha bathuma bambiza -- uJerobowamu nebandla lonke lakwa-Israyeli beza, bakhuluma kuRehobowamu, bathi:

[4] Uyihlo wenza ijoka lethu laba lukhuni; ngalokho yenza wena ube lula umsebenzi olukhuni kayihlo nejoka lakhe elisindayo owalibeka phezu kwethu, siyakukukhonza.

[5]Wathi kubo: Hambani izinsuku zibe zintathu, bese nibuyela kimi. Basuka-ke abantu.

[6]Inkosi uRehobowamu yelulekana namalunga ayemile phambi kukaSolomoni uyise, esekhona, yathi: Nina ningeluleka ukubuyisela mpenduloni kulaba bantu na?

[7]Akhuluma kuye, athi: Uma uyakuba yinceku yalaba bantu namhla nje, ubakhonze, ubaphendule, ukhulume amazwi amahle kubo, bayakuba yizinceku zakho izinsuku zonke.

[8]Kepha walahla isiluleko samalunga ameluleke ngaso, welulekana nezinsizwa eziyintanga yakhe, ezazimi phambi kwakhe.

[9]Wathi kuzo: Nina ningeluleka ukuba sibuyisele mpenduloni kulaba bantu

dizendo: Alivia o jugo que teu pai nos impôs?

[10] E os jovens que haviam crescido com ele lhe disseram: Assim falarás a este povo que disse: Teu pai fez pesado o nosso jugo, mas tu alivia-o de sobre nós; assim lhe falarás: Meu dedo mínimo é mais grosso do que os lombos de meu pai.

[11] Assim que, se meu pai vos impôs jugo pesado, eu ainda vo-lo aumentarei; meu pai vos castigou com açoites, porém eu vos castigarei com escorpiões.

[12] Veio, pois, Jeroboão e todo o povo, ao terceiro dia, a Roboão, como o rei lhes ordenara, dizendo: Voltai a mim ao terceiro dia.

[13] Dura resposta deu o rei ao povo, porque desprezara o conselho que os anciãos lhe haviam dado;

[14] e lhe falou segundo o conselho dos jovens, dizendo: Meu pai fez pesado o vosso jugo, porém eu ainda o agravarei; meu pai vos castigou com açoites; eu, porém, vos castigarei com escorpiões.

[15] O rei, pois, não deu ouvidos ao povo; porque este acontecimento vinha do SENHOR, para confirmar a palavra que o SENHOR tinha dito por intermédio de Aías, o silonita, a Jeroboão, filho de Nebate.

Dez tribos seguem Jeroboão

2 Crônicas 10.16-19

abakhulume kimi ngokuthi: Yenza ijoka uyihlo alibeka phezu kwethu libe lula, na?

[10]Zase zikhuluma kuye izinsizwa eziyintanga yakhe, zithi: Uyakusho kanje kulaba bantu abakhulume kuwe ngokuthi: Uyihlo walenza ijoka lethu lasinda, kepha wena ulenze libe lula kithina, uyakukhuluma kanje kubo, uthi: Ucikicane wami mkhulu kunokhalo lukababa.

[11]Manje ubaba wanithwesa ijoka elisindayo, mina ngiyakwenezela ejokeni lenu; ubaba wanishaya ngeziswebhu, mina ngiyakunishaya ngawofezela.

[12]UJerobowamu nabantu bonke base befika kuRehobowamu ngosuku lwesithathu njengokusho kwenkosi, ithi: Buyelani kimi ngosuku lwesithathu.

[13]Inkosi yaphendula abantu kalukhuni, yalahla isiluleko samalunga ameluleke ngaso,

[14]yakhuluma kubo njengesiluleko sezinsizwa ngokuthi: Ubaba walenza ijoka lenu lasinda, mina ngiyakwenezela ejokeni lenu; ubaba wanishaya ngeziswebhu, mina ngiyakunishaya ngawofezela.

[15] Inkosi ayilalelanga abantu, ngokuba kwakuyisiyiba esivela kuJehova, ukuze amise izwi lakhe uJehova alikhulumayo ngesandla sika-Ahiya waseShilo kuJerobowamu indodana kaNebati.

[16] Vendo, pois, todo o Israel que o rei não lhe dava ouvidos, reagiu, dizendo: Que parte temos nós com Davi? Não há para nós herança no filho de Jessé! Às vossas tendas, ó Israel! Cuida, agora, da tua casa, ó Davi! Então, Israel se foi às suas tendas.

[16] Wonke u-Israyeli esebonile ukuthi inkosi ayibalalelanga, abantu babuyisela izwi enkosini, bathi: Sinasabelo sini kuDavide na? Ifa asinalo endodaneni kaJese. Yana ematendeni akho, Israyeli, zibhekele indlu yakho manje, Davide. Wayesesuka u-Israyeli, waya ematendeni akhe.

[17] Quanto aos filhos de Israel, porém, que habitavam nas cidades de Judá, sobre eles reinou Roboão.

[17]Kepha abantwana bakwa-Israyeli abakhe emizini yakwaJuda, uRehobowamu wabusa phezu kwabo.

[18] Então, o rei Roboão enviou a Adorão, superintendente dos que trabalhavam forçados; porém todo o Israel o apedrejou, e morreu. Mas o rei Roboão conseguiu tomar o seu carro e fugir para Jerusalém.

[18] Inkosi uRehobowamu yathuma u-Adoramu owayephezu kwezisebenzi; u-Israyeli wonke wamkhanda ngamatshe, wafa. Inkosi uRehobowamu yashesha ukukhwela inqola yayo ukuba ibalekele eJerusalema.

[19] Assim, Israel se mantém rebelado contra a casa de Davi, até ao dia de hoje.

[19]U-Israyeli wayeseyihlubuka-ke indlu kaDavide kuze kube namuhla.

Ukumiswa kukaJerobowamu; isiprofetho sikaShemaya

[20] Tendo ouvido todo o Israel que Jeroboão tinha voltado, mandaram chamá-lo para a congregação e o fizeram rei sobre todo o Israel; ninguém seguiu a casa de Davi, senão somente a tribo de Judá.

[20]Kwathi wonke u-Israyeli esezwile ukuthi uJerobowamu ubuyile, bathuma bambizela emhlanganweni, bambeka inkosi phezu kuka-Israyeli wonke; akubangakho muntu olandela indlu kaDavide, isizwe sakwaJuda kuphela.

Deus proíbe que Roboão peleje contra as dez tribos

2 Crônicas 11.1-4

[21] Vindo, pois, Roboão a Jerusalém, reuniu toda a casa de Judá e a tribo de Benjamim, cento e oitenta mil escolhidos, destros para a guerra, para pelejar contra a casa de Israel, a fim de restituir o reino a Roboão, filho de Salomão.

[21] URehobowamu esefikile eJerusalema wabutha yonke indlu yakwaJuda nesizwe sakwaBenjamini, abantu abakhethiweyo abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, amabutho, ukuba balwe nendlu yakwa-

Israyeli, bawubuyisele umbuso kuRehobowamu indodana kaSolomoni.

[22] Porém veio a palavra de Deus a Semaías, homem de Deus, dizendo:

[22]Lase lifika izwi likaNkulunkulu kuShemaya umuntu kaNkulunkulu, lathi:

[23] Fala a Roboão, filho de Salomão, rei de Judá, e a toda a casa de Judá, e a Benjamim, e ao resto do povo, dizendo:

[23] Khuluma kuRehobowamu indodana kaSolomoni inkosi yakwaJuda, nakuyo yonke indlu yakwaJuda neyakwaBenjamini, nakubantu abaseleyo, ngokuthi:

[24] Assim diz o SENHOR: Não subireis, nem pelejareis contra vossos irmãos, os filhos de Israel; cada um volte para a sua casa, porque eu é que fiz isto. E, obedecendo eles à palavra do SENHOR, voltaram como este lhes ordenara.

[24]Usho kanje uJehova, uthi: Aniyikukhuphuka, ningalwi nabafowenu abantwana bakwa-Israyeli; buyelani, kube yilowo nalowo endlini yakhe, ngokuba le nto ivela kimi. Balalela izwi likaJehova, babuya, bahamba njengokusho kukaJehova.

A idolatria de Jeroboão

[25] Jeroboão edificou Siquém, na região montanhosa de Efraim, e passou a residir ali; dali edificou Penuel.

[25] UJerobowamu waqinisa iShekemi ezintabeni zakwa-Efrayimi, wahlala khona; waphuma lapho, waqinisa iPhenuweli.

[26] Disse Jeroboão consigo: Agora, tornará o reino para a casa de Davi.

[26]UJerobowamu wathi enhliziyweni yakhe: Manje umbuso uyakubuyela endlini kaDavide.

[27] Se este povo subir para fazer sacrifícios na Casa do SENHOR, em Jerusalém, o coração dele se tornará a seu senhor, a Roboão, rei de Judá; e me matarão e tornarão a ele, ao rei de Judá.

[27]Uma laba bantu benyuka ukunikela ngemihlatshelo endlini kaJehova eJerusalema, inhliziyo yalaba bantu iyakuphindela enkosini yabo, kuRehobowamu inkosi yakwaJuda, bangibulale mina, babuyele kuRehobowamu inkosi yakwaJuda.

[28] Pelo que o rei, tendo tomado conselhos, fez dois bezerros de ouro; e disse ao povo: Basta de subirdes a Jerusalém; vês aqui teus deuses, ó Israel, que te fizeram subir da terra do Egito!

[28] Inkosi isithathe isiluleko, yenza amathole amabili egolide, yathi kubo: Sekwanele ukuba nikhuphukele eJerusalema; bheka onkulunkulu bakho,

[29] Pôs um em Betel e o outro, em Dã.

[30] E isso se tornou em pecado, pois que o povo ia até Dã, cada um para adorar o bezerro.

[31] Jeroboão fez também santuários nos altos e, dentre o povo, constituiu sacerdotes que não eram dos filhos de Levi.

[32] Fez uma festa no oitavo mês, no dia décimo quinto do mês, igual à festa que se fazia em Judá, e sacrificou no altar; semelhantemente fez em Betel e ofereceu sacrifícios aos bezerros que fizera; também em Betel estabeleceu sacerdotes dos altos que levantara.

[33] No décimo quinto dia do oitavo mês, escolhido a seu bel-prazer, subiu ele ao altar que fizera em Betel e ordenou uma festa para os filhos de Israel; subiu para queimar incenso.

1 Reis 13

Um profeta prediz contra o altar

[1] Eis que, por ordem do SENHOR, veio de Judá a Betel um homem de Deus; e Jeroboão estava junto ao altar, para queimar incenso.

[2] Clamou o profeta contra o altar, por ordem do SENHOR, e disse: Altar, altar! Assim diz o SENHOR: Eis que um filho nascerá à casa de Davi, cujo nome será

Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibithe.

[29] Wabeka elinye eBethele, elinye walibeka kwaDani.

[30] Leyo nto yaba yisono, ngokuba abantu baya phambi kwelinye nakwaDani.

[31] Wakha nezindlu zezindawo eziphakemeyo, wenza abapristi ngeningi labantu abangesiwo amadodana kaLevi.

[32] UJerobowamu wagubha umkhosi ngenyanga yesishiyagalombili ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga njengomkhosi wakwaJuda, wenyukela e-altare; wenze njalo eBethele ukuba ahlabele amathole awenzileyo; wabeka eBethele abapristi bezindawo eziphakemeyo azenzileyo.

[33]Wayesenikela e-altare alenzileyo ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yesishiyagalombili, inyanga abeyinqumile ngokwakhe nje; wenzela abantwana bakwa-Israyeli umkhosi, wenyukela e-altare ukushisa impepho.

1 AmaKhosi 13

Umprofethi wakwaJuda nokubulawa kwakhe

[1]Bheka, kwavela kwaJuda umuntu kaNkulunkulu ngezwi likaJehova, weza eBethele; uJerobowamu wayemi e-altare ukushisa impepho.

[2]Walibiza i-altare ngezwi likaJehova, wathi: Altare, altare, usho kanje uJehova, uthi: Bheka, kuzakuzalwa umntwana kuyo indlu kaDavide, nguJosiya igama lakhe;

Josias, o qual sacrificará sobre ti os sacerdotes dos altos que queimam sobre ti incenso, e ossos humanos se queimarão sobre ti.

3 Deu, naquele mesmo dia, um sinal, dizendo: Este é o sinal de que o SENHOR falou: Eis que o altar se fenderá, e se derramará a cinza que há sobre ele.

4 Tendo o rei ouvido as palavras do homem de Deus, que clamara contra o altar de Betel, Jeroboão estendeu a mão de sobre o altar, dizendo: Prendei-o! Mas a mão que estendera contra o homem de Deus secou, e não a podia recolher.

5 O altar se fendeu, e a cinza se derramou do altar, segundo o sinal que o homem de Deus apontara por ordem do SENHOR.

6 Então, disse o rei ao homem de Deus: Implora o favor do SENHOR, teu Deus, e ora por mim, para que eu possa recolher a mão. Então, o homem de Deus implorou o favor do SENHOR, e a mão do rei se lhe recolheu e ficou como dantes.

7 Disse o rei ao homem de Deus: Vem comigo a casa e fortalece-te; e eu te recompensarei.

8 Porém o homem de Deus disse ao rei: Ainda que me desses metade da tua casa, não iria contigo, nem comeria pão, nem beberia água neste lugar.

uyakunikela phezu kwakho ngabapristi bezindawo eziphakemeyo abashisa impepho phezu kwakho, bashise namathambo abantu phezu kwakho.

3Wabanika isiboniso ngalolo suku, wathi: Yilesi esiyisiboniso uJehova akhulume ngaso sokuthi: Bheka, i-altare liyakudatshulwa, umlotha ophezu kwalo uchithwe.

4Kwathi inkosi isizwile izwi lalowo muntu kaNkulunkulu alibiza ngalo i-altare laseBethele, uJerobowamu waselula isandla sakhe ese-altare, wathi: Mbambeni. Kepha isandla sakhe aselulela kuye sashwabana, akaba namandla okusibuyisela kuye.

5I-altare ladabuka, umlotha we-altare wachitheka e-altare njengesiboniso asinikile lowo muntu kaNkulunkulu ngezwi likaJehova.

6 Inkosi yayisithatha yathi kulowo muntu kaNkulunkulu: Ake unxuse phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, ungikhulekele ukuba isandla sami siphiliswe. Lowo muntu kaNkulunkulu wanxusa kuJehova, saphiliswa isandla sakhe, saba njengakuqala.

7Yayisithi inkosi kulowo muntu kaNkulunkulu: Woza siye ekhaya, uzihlumelele, ngikuphe isipho.

8 Kepha lowo muntu kaNkulunkulu wathi enkosini: Noma unginika inxenye yendlu yakho, angiyikuya khona nawe; futhi angiyikudla isinkwa, ngiphuze amanzi kuleyo ndawo;

[9] Porque assim me ordenou o SENHOR pela sua palavra, dizendo: Não comerás pão, nem beberás água; e não voltarás pelo caminho por onde foste.

[10] E se foi por outro caminho; e não voltou pelo caminho por onde viera a Betel.

A desobediência e o castigo do profeta

[11] Morava em Betel um profeta velho; vieram seus filhos e lhe contaram tudo o que o homem de Deus fizera aquele dia em Betel; as palavras que dissera ao rei, contaram-nas a seu pai.

[12] Perguntou-lhes o pai: Por que caminho se foi? Mostraram seus filhos o caminho por onde fora o homem de Deus que viera de Judá.

[13] Então, disse a seus filhos: Albardai-me um jumento. Albardaram-lhe o jumento, e ele montou.

[14] E foi após o homem de Deus e, achando-o sentado debaixo de um carvalho, lhe disse: És tu o homem de Deus que vieste de Judá? Ele respondeu: Eu mesmo.

[15] Então, lhe disse: Vem comigo a casa e come pão.

[16] Porém ele disse: Não posso voltar contigo, nem entrarei contigo; não comerei pão, nem beberei água contigo neste lugar.

[17] Porque me foi dito pela palavra do SENHOR: Ali, não comerás pão, nem beberás água, nem voltarás pelo caminho por que foste.

[9]ngokuba ngayalwa kanjalo ngezwi likaJehova ngokuthi: Awuyikudla sinkwa, ungaphuzi manzi, ungabuyi ngendlela oze ngayo.

[10]Wayesehamba ngenye indlela, kabuyanga ngendlela abeze ngayo eBethele.

[11]Kwakuhlala eBethele umprofethi omdala. Amadodana akhe afika amtshela yonke imisebenzi lowo muntu kaNkulunkulu abeyenzile ngalolo suku eBethele, namazwi abewakhulumile enkosini. Uyise esetsheliwe,

[12]uyise wathi kuwo: Uhambe ngayiphi indlela na? Amadodana ayebonile ukuthi uhambe ngayiphi indlela lowo muntu kaNkulunkulu owavela kwaJuda.

[13]Wayesethi kumadodana akhe: Ngibopheleni imbongolo. Ambophela-ke imbongolo, wayikhwela.

[14]Wamlandela lowo muntu kaNkulunkulu, wamfumana ehlezi phansi kwe-oki; wathi kuye: Wena ungumuntu kaNkulunkulu lowo owavela kwaJuda na? Wathi: Nginguye.

[15]Wayesethi kuye: Woza siye ekhaya, uthole ukudla.

[16]Kepha wathi: Anginakubuya nawe, anginakungena kwakho nawe; futhi anginakudla isinkwa, ngiphuze amanzi nawe kuleyo ndawo,

[17]ngokuba kwathiwa kimi ngezwi likaJehova: Awuyikudla sinkwa, ungaphuzi manzi khona, ungabuyi ngendlela oze ngayo.

[18] Tornou-lhe ele: Também eu sou profeta como tu, e um anjo me falou por ordem do SENHOR, dizendo: Faze-o voltar contigo a tua casa, para que coma pão e beba água. (Porém mentiu-lhe.)

[19] Então, voltou ele, e comeu pão em sua casa, e bebeu água.

[20] Estando eles à mesa, veio a palavra do SENHOR ao profeta que o tinha feito voltar;

[21] e clamou ao homem de Deus, que viera de Judá, dizendo: Assim diz o SENHOR: Porquanto foste rebelde à palavra do SENHOR e não guardaste o mandamento que o SENHOR, teu Deus, te mandara,

[22] antes, voltaste, e comeste pão, e bebeste água no lugar de que te dissera: Não comerás pão, nem beberás água, o teu cadáver não entrará no sepulcro de teus pais.

[23] Depois de o profeta a quem fizera voltar haver comido pão e bebido água, albardou para ele o jumento.

[24] Foi-se, pois, e um leão o encontrou no caminho e o matou; o seu cadáver estava atirado no caminho, e o jumento e o leão, parados junto ao cadáver.

[25] Eis que os homens passaram e viram o corpo lançado no caminho, como também o leão parado junto ao corpo; e vieram e o disseram na cidade onde o profeta velho habitava.

[18]Wayesethi kuye: Nami ngingumprofethi njengawe; kwakhuluma kimi ingelosi ngezwi likaJehova ngokuthi: Mbuyise, uye naye endlini yakho ukuba athole ukudla, aphuze amanzi. Kodwa waqamba amanga kuye.

[19]Wayesebuya-ke naye, wadla endlini yakhe, waphuza amanzi.

[20]Kwathi besahlezi etafuleni, izwi likaJehova lafika kumprofethi owambuyisa;

[21]wamemeza kulowo muntu kaNkulunkulu owavela kwaJuda, wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Njengokuba ungalilalelanga izwi likaJehova, ungagcinanga umyalo uJehova uNkulunkulu wakho akuyala ngawo,

[22]kepha ubuyile, wadla, waphuza amanzi endaweni athi ngayo kuwe ungadli sinkwa, ungaphuzi manzi, isidumbu sakho asiyikungeniswa ethuneni lawoyihlo.

[23]Kwathi esedlile, esephuzile, wambophelela imbongolo yena lowo mprofethi abembuyisile.

[24] Esehambile waficwa yingonyama endleleni, yambulala; isidumbu sakhe santshingwa endleleni, imbongolo yema eceleni kwaso, nengonyama yema ngasesidunjini.

[25]Bheka, abantu badlula, babona isidumbu sintshingwe endleleni nengonyama imi eceleni kwesidumbu, bafika bakhuluma ngakho emzini ayehlala kuwo lowo mprofethi omdala.

26 Ouvindo-o o profeta que o fizera voltar do caminho, disse: É o homem de Deus, que foi rebelde à palavra do SENHOR; por isso, o SENHOR o entregou ao leão, que o despedaçou e matou, segundo a palavra que o SENHOR lhe tinha dito.

27 Então, disse a seus filhos: Albardai-me o jumento. Eles o albardaram.

28 Ele se foi e achou o cadáver atirado no caminho e o jumento e o leão, parados junto ao cadáver; o leão não tinha devorado o corpo, nem despedaçado o jumento.

29 Então, o profeta levantou o cadáver do homem de Deus, e o pôs sobre o jumento, e o tornou a levar; assim, veio o profeta velho à cidade, para o chorar e enterrar.

30 Depositou o cadáver no seu próprio sepulcro; e o prantearam, dizendo: Ah! Irmão meu!

31 Depois de o haver sepultado, disse a seus filhos: Quando eu morrer, enterrai-me no sepulcro em que o homem de Deus está sepultado; ponde os meus ossos junto aos ossos dele.

32 Porque certamente se cumprirá o que por ordem do SENHOR clamou contra o altar que está em Betel e contra todas as casas dos altos que estão nas cidades de Samaria.

A persistência de Jeroboão no pecado

33 Depois destas coisas, Jeroboão ainda não deixou o seu mau caminho; antes, de entre o povo tornou a constituir sacerdotes

26Esezwile lokho umprofethi obembuyisile endlelni wathi: Ngumuntu kaNkulunkulu lowo owayengalaleli izwi likaJehova; ngalokho uJehova umnikele kuyo ingonyama, yamdwengula; yambulala njengezwi likaJehova alikhuluma kuye.

27Wayesekhuluma kumadodana akhe, ethi: Ngibopheleleni imbongolo. Ayibophela.

28Wahamba, wafumana isidumbu sakhe sintshingwe endleleni, imbongolo nengonyama zimi eceleni kwesidumbu; ingonyama ayidlanga isidumbu, ayidwengulanga nembongolo.

29Umprofethi wasiphakamisa isidumbu salowo muntu kaNkulunkulu, wasibeka embongolweni, wasibuyisa; wafika emzini womprofethi omdala ukuba alile, ammbele.

30 Wasibeka isidumbu ethuneni lakhe; bamlilela bathi: Maye, mfowethu!

31Kwathi esemmbele, wakhuluma kumadodana akhe, wathi: Lapho sengifile, ngimbeleni ethuneni embelwe kulo lowo muntu kaNkulunkulu, nibeke amathambo ami eceleni kwamathambo akhe.

32 Ngokuba izwi alimemezayo ngokusho kukaJehova kulo i-altare laseBethele nakuzo zonke izindlu zezindawo eziphakemeyo ezisemizini yaseSamariya liyakwenzeka nokwenzeka.

UJerobowamu uqhubeka ebubini

33 Emva kwalokho uJerobowamu akaphendukanga nokho endleleni yakhe embi, kepha wabuye wenza abapristi

para lugares altos; a quem queria, consagrava para sacerdote dos lugares altos.

[34] Isso se tornou em pecado à casa de Jeroboão, para destruí-la e extingui-la da terra.

1 Reis 14

A profecia de Aías contra Jeroboão

[1] Naquele tempo, adoeceu Abias, filho de Jeroboão.

[2] Disse este a sua mulher: Dispõe-te, agora, e disfarça-te, para que não conheçam que és mulher de Jeroboão; e vai a Siló. Eis que lá está o profeta Aías, o qual a meu respeito disse que eu seria rei sobre este povo.

[3] Leva contigo dez pães, bolos e uma botija de mel e vai ter com ele; ele te dirá o que há de suceder a este menino.

[4] A mulher de Jeroboão assim o fez; levantou-se, foi a Siló e entrou na casa de Aías; Aías já não podia ver, porque os seus olhos já se tinham escurecido, por causa da sua velhice.

[5] Porém o SENHOR disse a Aías: Eis que a mulher de Jeroboão vem consultar-te sobre seu filho, que está doente. Assim e assim lhe falarás, porque, ao entrar, fingirá ser outra.

[6] Ouvindo Aías o ruído de seus pés, quando ela entrava pela porta, disse: Entra, mulher de Jeroboão; por que finges

bezindawo eziphakemeyo ngeningi labantu; othandayo wahlukaniselwa, wabangumpristi wendawo ephakemeyo.

[34]Leyo nto yaba yisono kuyo indlu kaJerobowamu ngangokuba inqunywe, ichithwe ebusweni bomhlaba.

1 AmaKhosi 14

Isiprofetho sika-Ahiya

[1]Ngaleso sikhathi u-Abiya indodana kaJerobowamu wagula.

[2]UJerobowamu wathi kumkakhe: Ake usuke uzifihle, ukuze kungaziwa ukuthi wena ungumkaJerobowamu, uye eShilo; bheka, u-Ahiya umprofethi ulapho, yena owakhuluma ngami ukuthi ngiyakuba yinkosi phezu kwalaba bantu.

[3]Uphathe ngesandla sakho izinkwa eziyishumi, nemiqathane, nophiso lwezinyosi, uye kuye; uyakukutshela ukuthi kuzakuba njani kumntwana.

[4] UmkaJerobowamu wenze njalo; wasuka, waya eShilo, wafika endlini ka-Ahiya. U-Ahiya wayengenakubona, ngokuba amehlo akhe ayequndekile ngenxa yobudala bakhe.

[5]UJehova wayeshilo ku-Ahiya, ethi: Bheka, umkaJerobowamu uyeza ukubuza kuwe ngendodana yakhe, ngokuba iyagula; womphendula ngokuthi nangokuthi, ngokuba kuyakuthi ekungeneni kwakhe azishaye omunye umuntu.

[6]Kwathi lapho u-Ahiya ezwa izigqi zezinyawo zakhe ekungeneni kwakhe emnyango, wathi: Ngena,

assim? Pois estou encarregado de te dizer duras novas.

[7] Vai e dize a Jeroboão: Assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Porquanto te levantei do meio do povo, e te fiz príncipe sobre o meu povo de Israel,

[8] e tirei o reino da casa de Davi, e to entreguei, e tu não foste como Davi, meu servo, que guardou os meus mandamentos e andou após mim de todo o seu coração, para fazer somente o que parecia reto aos meus olhos;

[9] antes, fizeste o mal, pior do que todos os que foram antes de ti, e fizeste outros deuses e imagens de fundição, para provocar-me à ira, e me viraste as costas;

[10] portanto, eis que trarei o mal sobre a casa de Jeroboão, e eliminarei de Jeroboão todo e qualquer do sexo masculino, tanto o escravo como o livre, e lançarei fora os descendentes da casa de Jeroboão, como se lança fora o esterco, até que, de todo, ela se acabe.

[11] Quem morrer a Jeroboão na cidade, os cães o comerão, e o que morrer no campo aberto, as aves do céu o comerão, porque o SENHOR o disse.

[12] Tu, pois, dispõe-te e vai para tua casa; quando puseres os pés na cidade, o menino morrerá.

mkaJerobowamu; uzishayelani omunye; mina ngithunyiwe kuwe nginendaba elukhuni.

[7]Hamba umtshele uJerobowamu ukuthi: UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli usho kanje, uthi: Njengokuba ngakuphakamisa phakathi kwabantu, ngakubeka ube ngumbusi wabantu bami u-Israyeli,

[8] ngawuhlwitha umbuso endlini kaDavide, ngawunika wena, kepha awubanga njengenceku yami uDavide owagcina imiyalo yami nowangilandela ngayo yonke inhliziyo yakhe ukwenza okulungile emehlweni ami kuphela,

[9]kodwa wenzile okubi kunabo bonke ababe phambi kwakho, wahamba wazenzela abanye onkulunkulu nezithombe ezibunjiweyo ukungivusa ukuba ngithukuthele, wangilahla nyovane,

[10]bheka, ngalokho ngiyakwehlisela indlu kaJerobowamu okubi, nginqume kuJerobowamu wonke umlisa, omncane nomkhulu kwa-Israyeli, ngikhukhule indlu kaJerobowamu njengokukhukhulwa komquba, uze uphele.

[11]Yena wakwaJerobowamu ofela emzini uyakudliwa yizinja, nofela endle uyakudliwa yizinyoni zezulu, ngokuba uJehova ukukhulumile.

[12] Ngalokho suka uye endlini yakho; ekungeneni kwezinyawo zakho emzini uyakufa umntwana.

[13] Todo o Israel o pranteará e o sepultará; porque de Jeroboão só este dará entrada em sepultura, porquanto se achou nele coisa boa para com o SENHOR, Deus de Israel, em casa de Jeroboão.

[14] O SENHOR, porém, suscitará para si um rei sobre Israel, que eliminará, no seu dia, a casa de Jeroboão. Que digo eu? Há de ser já.

[15] Também o SENHOR ferirá a Israel para que se agite como a cana se agita nas águas; arrancará a Israel desta boa terra que dera a seus pais e o espalhará para além do Eufrates, porquanto fez os seus postes-ídolos, provocando o SENHOR à ira.

[16] Abandonará a Israel por causa dos pecados que Jeroboão cometeu e pelos que fez Israel cometer.

[17] Então, a mulher de Jeroboão se levantou, foi e chegou a Tirza; chegando ela ao limiar da casa, morreu o menino.

[18] Sepultaram-no, e todo o Israel o pranteou, segundo a palavra do SENHOR, por intermédio do profeta Aías, seu servo.

[19] Quanto aos mais atos de Jeroboão, como guerreou e como reinou, eis que estão escritos no Livro da História dos Reis de Israel.

[20] Foi de vinte e dois anos o tempo que reinou Jeroboão; e descansou com seus

[13]Wonke u-Israyeli uyakumlilela, ammbele, ngokuba nguyena yedwa wakwaJerobowamu oyakuya ethuneni, lokhu kufunyanwa kuye okuhle kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli endlini kaJerobowamu.

[14] Futhi uJehova uyakuzivusela inkosi phezu kuka-Israyeli eyakunquma indlu kaJerobowamu ngalolo suku. Kepha ngithini? Yebo, namanje.

[15]Ngokuba uJehova uyakushaya u-Israyeli njengohlanga oluzanyazanyiswa emanzini, asiphule u-Israyeli kuleli zwe elihle alinika oyise, abahlakazele ngaphesheya koMfula, lokhu benzile o-Ashera babo, bathukuthelisa uJehova.

[16] Uyakulahla u-Israyeli ngenxa yezono zikaJerobowamu one ngazo, futhi onisa ngazo u-Israyeli.

[17]UmkaJerobowamu wayesesuka wahamba, wafika eTirisa; esefike embundwini wendlu, umntwana wafa.

[18]Wonke u-Israyeli wammbela, wamlilela njengezwi likaJehova alikhulumayo ngesandla senceku yakhe u-Ahiya umprofethi.

Ukufa kukaJerobowamu

[19]Ezinye izindaba zikaJerobowamu, ukuthi walwa kanjani nokuthi wabusa kanjani, bheka, zilotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli.

[20]Izinsuku zokubusa kukaJerobowamu zaziyiminyaka engamashumi amabili nambili; wayeselala koyise; uNadabi

pais; e Nadabe, seu filho, reinou em seu lugar.

O reinado de Roboão, de Judá

2 Crônicas 12.1-16

21 Roboão, filho de Salomão, reinou em Judá; de quarenta e um anos de idade era Roboão quando começou a reinar e reinou dezessete anos em Jerusalém, na cidade que o SENHOR escolhera de todas as tribos de Israel, para estabelecer ali o seu nome. Naamá era o nome de sua mãe, amonita.

22 Fez Judá o que era mau perante o SENHOR; e, com os pecados que cometeu, o provocou a zelo, mais do que fizeram os seus pais.

23 Porque também os de Judá edificaram altos, estátuas, colunas e postes-ídolos no alto de todos os elevados outeiros e debaixo de todas as árvores verdes.

24 Havia também na terra prostitutos-cultuais; fizeram segundo todas as coisas abomináveis das nações que o SENHOR expulsara de diante dos filhos de Israel.

25 No quinto ano do rei Roboão, Sisaque, rei do Egito, subiu contra Jerusalém

26 e tomou os tesouros da Casa do SENHOR e os tesouros da casa do rei; tomou tudo. Também levou todos os escudos de ouro que Salomão tinha feito.

27 Em lugar destes, fez o rei Roboão escudos de bronze e os entregou nas mãos dos capitães da guarda, que guardavam a porta da casa do rei.

indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

Ukubusa kukaRehobowamu kwaJuda

21 URehobowamu indodana kaSolomoni wabusa kwaJuda. URehobowamu wayeneminyaka engamashumi amane nanye ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nesikhombisa eJerusalema, umuzi awukhethileyo uJehova ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukuba abeke khona igama lakhe; igama likanina lalinguNahama wabakwa-Amoni.

22 UJuda wenza okubi emehlweni kaJehova, bamvusela umhawu naphezu kwakho konke ababekwenzile oyise ngezono zabo abazenzayo.

23 Nabo bazakhela izindawo eziphakemeyo, nezinsika, nawo-Ashera emagqumeni onke aphakemeyo naphansi kwemithi yonke eluhlaza.

24 Kwakukhona nezifebe zethempeli kulelo zwe; benza njengazo zonke izinengiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

UShishaki usukela iJerusalema

25 Kwathi ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehobowamu, uShishaki inkosi yaseGibithe wenyukela eJerusalema.

26 Wathatha ingcebo yendlu kaJehova nengcebo yendlu yenkosi, yebo, wathatha konke, wathatha zonke izihlangu zegolide ezenziwe nguSolomoni.

27 Inkosi uRehobowamu yenza izihlangu zethusi esikhundleni sazo, yazinikela ezandleni zezinduna zabalindi abagcina umnyango wendlu yenkosi.

[28] Toda vez que o rei entrava na Casa do SENHOR, os da guarda usavam os escudos e tornavam a trazê-los para a câmara da guarda.

[28]Kwathi njalo uma inkosi ingena endlini kaJehova, izigijimi zazithwala, zazibuyisela ekamelweni labalindi.

Ukufa kukaRehobowamu

[29] Quanto aos mais dos atos de Roboão e a tudo quanto fez, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá?

[29] Ezinye izindaba zikaRehobowamu nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

[30] Houve guerra entre Roboão e Jeroboão todos os seus dias.

[30] Kwakukhona njalo ukulwa phakathi kukaRehobowamu noJerobowamu.

[31] Roboão descansou com seus pais e com eles foi sepultado na Cidade de Davi. Naamá era o nome de sua mãe, amonita; e Abias, filho de Roboão, reinou em seu lugar.

[31]URehobowamu wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide; igama likanina lalinguNahama wabakwa-Amoni. U-Abiyamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

1 Reis 15

O reinado de Abias, de Judá
2 Crônicas 13.1-22

1 AmaKhosi 15

Ukubusa kuka-Abiyamu no-Asa kwaJuda

[1] No décimo oitavo ano do rei Jeroboão, filho de Nebate, Abias começou a reinar sobre Judá.

[1] Ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJerobowamu indodana kaNebati u-Abiyamu waba yinkosi kwaJuda.

[2] Três anos reinou em Jerusalém. Era o nome de sua mãe Maaca, filha de Absalão.

[2]Wabusa iminyaka emithathu eJerusalema; igama likanina lalinguMahakha, indodakazi ka-Abisalomu.

[3] Andou em todos os pecados que seu pai havia cometido antes dele; e seu coração não foi perfeito para com o SENHOR, seu Deus, como o coração de Davi, seu pai.

[3] Wahamba ezonweni zonke zikayise ayezenzile ngaphambi kwakhe; inhliziyo yakhe yayingekho kuNkulunkulu wakhe ngokupheleleyo njengenhliziyo kaDavide uyise.

[4] Mas, por amor de Davi, o SENHOR, seu Deus, lhe deu uma lâmpada em Jerusalém, levantando a seu filho depois dele e dando estabilidade a Jerusalém.

[4] Nokho ngenxa kaDavide uJehova uNkulunkulu wakhe wamnika isibani eJerusalema ngokuvusa indodana yakhe emva kwakhe nokumisa iJerusalema,

[5] Porquanto Davi fez o que era reto perante o SENHOR e não se desviou de tudo quanto lhe ordenara, em todos os dias da sua vida, senão no caso de Urias, o heteu.

[5] ngokuba uDavide wenza okulungile emehlweni kaJehova, kaphambukanga ngalutho amyala ngalo zonke izinsuku zokuhamba kwakhe, kuphela endabeni ka-Uriya umHeti.

[6] Houve guerra entre Roboão e Jeroboão todos os dias da sua vida.

[6] Kwakukhona ukulwa phakathi kukaRehobowamu noJerobowamu zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

[7] Quanto aos mais atos de Abias e a tudo quanto fez, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá? Também houve guerra entre Abias e Jeroboão.

[7]Ezinye izindaba zika-Abiyamu nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na? Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Abiyamu noJerobowamu.

[8] Abias descansou com seus pais, e o sepultaram na Cidade de Davi; e Asa, seu filho, reinou em seu lugar.

[8] U-Abiyamu wayeselala koyise; bammbela emzini kaDavide; u-Asa indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

O reinado de Asa, de Judá
2 Crônicas 14.1-8; 15.16—16.14

[9] No vigésimo ano de Jeroboão, rei de Israel, começou Asa a reinar sobre Judá.

[9]Ngomnyaka wamashumi amabili kaJerobowamu, inkosi yakwa-Israyeli, u-Asa waqala ukubusa phezu kukaJuda.

[10] Quarenta e um anos reinou em Jerusalém. Era o nome de sua mãe Maaca, filha de Absalão.

[10]Wabusa iminyaka engamashumi amane nanye eJerusalema; igama likanina lalinguMahakha indodakazi ka-Abisalomu.

[11] Asa fez o que era reto perante o SENHOR, como Davi, seu pai.

[11]U-Asa wenza okulungile emehlweni kaJehova njengoDavide uyise.

[12] Porque tirou da terra os prostitutos-cultuais e removeu todos os ídolos que seus pais fizeram;

[12] Waxosha izifebe zethempeli ezweni, wasusa nezithombe ayezenzile uyise.

[13] e até a Maaca, sua mãe, depôs da dignidade de rainha-mãe, porquanto ela havia feito ao poste-ídolo uma abominável

[13] Wamsusa uMahakha unina ebukhosikazini, ngokuba wayenzela u-Ashera isithombe esinengekayo; u-Asa

imagem; pois Asa destruiu essa imagem e a queimou no vale de Cedrom;

14 os altos, porém, não foram tirados; todavia, o coração de Asa foi, todos os seus dias, totalmente do SENHOR.

15 Trouxe à Casa do SENHOR as coisas consagradas por seu pai e as coisas que ele mesmo consagrara: prata, ouro e objetos de utilidade.

16 Houve guerra entre Asa e Baasa, rei de Israel, todos os seus dias.

17 Porque Baasa, rei de Israel, subiu contra Judá e edificou a Ramá, para que a ninguém fosse permitido sair de junto de Asa, rei de Judá, nem chegar a ele.

18 Então, Asa tomou toda a prata e ouro restantes nos tesouros da Casa do SENHOR e os tesouros da casa do rei e os entregou nas mãos de seus servos; e o rei Asa os enviou a Ben-Hadade, filho de Tabrimom, filho de Heziom, rei da Síria, e que habitava em Damasco, dizendo:

19 Haja aliança entre mim e ti, como houve entre meu pai e teu pai. Eis que te mando um presente, prata e ouro; vai e anula a tua aliança com Baasa, rei de Israel, para que se retire de mim.

20 Ben-Hadade deu ouvidos ao rei Asa e enviou os capitães dos seus exércitos contra as cidades de Israel; e feriu a Ijom,

wanquma isithombe sakhe, wasishisa ngasemfudlaneni iKidroni.

14Kodwa izindawo eziphakemeyo azisuswanga; nokho inhliziyo ka-Asa yayikuJehova ngokupheleleyo zonke izinsuku zakhe.

15Wangenisa endlini kaJehova izinto ezingcwele zikayise nezinto zakhe ezingcwele: isiliva, negolide, nezitsha.

16Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Asa noBahasha inkosi yakwa-Israyeli zonke izinsuku zabo.

17 UBahasha inkosi yakwa-Israyeli wenyuka ukuhlasela uJuda, wakha iRama, ukuze angavumeli muntu ukuphuma nokungena ku-Asa inkosi yakwaJuda.

18 U-Asa wayesethatha lonke isiliva negolide elalisele engcebeni yendlu kaJehova nengcebo yendlu yenkosi, wakunikela ezandleni zezinceku zakhe; inkosi u-Asa yazithuma kuBeni Hadadi indodana kaTabirimoni kaHeziyoni, inkosi yase-Aramu, owayehlala eDamaseku, yathi:

19 Kukhona isivumelwano phakathi kwami nawe naphakathi kukababa noyihlo; bheka, ngithuma kuwe isipho sesiliva negolide; hamba waphule isivumelwano sakho noBahasha inkosi yakwa-Israyeli ukuba asuke kimi.

20 UBeni Hadadi wayilalela inkosi u-Asa, wathuma izinduna zempi yakhe ukuba zihlasele imizi yakwa-Israyeli, wanqoba i-Ijoni, neDani, ne-Abela Beti Mahakha,

a Dã, a Abel-Bete-Maaca e todo o distrito de Quinerete, com toda a terra de Naftali.

nalo lonke iKineroti, kanye nalo lonke izwe lakwaNafetali.

[21] Ouvindo isso, Baasa deixou de edificar a Ramá e ficou em Tirza.

[21]Kwathi lapho uBahasha esekuzwile lokho, wayeka ukwakha iRama, wahlala eTirisa.

[22] Então, o rei Asa fez apregoar por toda a região de Judá que todos, sem exceção, trouxessem as pedras de Ramá e a sua madeira, com que Baasa a edificara; com elas edificou o rei Asa a Geba de Benjamim e a Mispa.

[22]Inkosi u-Asa yayisibiza wonke uJuda, akwababikho owayenokuzilandulela, basusa amatshe aseRama nemithi yalo uBahasha ayakhe ngakho; inkosi u-Asa yakha ngakho iGeba lakwaBenjamini neMispa.

[23] Quanto aos mais atos de Asa, e a todo o seu poder, e a tudo quanto fez, e às cidades que edificou, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá? Porém, no tempo da sua velhice, padeceu dos pés.

[23] Zonke ezinye izindaba zika-Asa, nawo onke amandla akhe, nakho konke akwenzayo, nemizi ayakhayo, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na? Ngesikhathi sobudala bakhe wayenesifo ezinyaweni zakhe.

[24] Descansou Asa com seus pais e com eles foi sepultado na Cidade de Davi, seu pai; e Josafá, seu filho, reinou em seu lugar.

[24] Wayeselala u-Asa koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide uyise; uJehoshafati indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

O mau reinado de Nadabe, de Israel

ONadabi noBahasha babusa kwa-Israyeli

[25] Nadabe, filho de Jeroboão, começou a reinar sobre Israel no ano segundo de Asa, rei de Judá; e reinou sobre Israel dois anos.

[25]UNadabi indodana kaJerobowamu waqala ukubusa phezu kuka-Israyeli ngomnyaka wesibili ka-Asa inkosi yakwaJuda, wabusa phezu kuka-Israyeli iminyaka emibili.

[26] Fez o que era mau perante o SENHOR e andou nos caminhos de seu pai e no pecado com que seu pai fizera pecar a Israel.

[26] Wenza okubi emehlweni kaJehova, wahamba endleleni kayise nasesonweni sakhe onisa ngaso u-Israyeli.

[27] Conspirou contra ele Baasa, filho de Aías, da casa de Issacar, e o feriu em Gibetom, que era dos filisteus, quando Nadabe e todo o Israel cercavam Gibetom.

[27]UBahasha indodana ka-Ahiya wendlu ka-Isakare wamenzela ugobe; uBahasha wamnqoba eGibethoni elingelamaFilisti,

ngokuba uNadabi naye wonke u-Israyeli babelivimbezela iGibethoni.

28 Baasa, no ano terceiro de Asa, rei de Judá, matou a Nadabe e passou a reinar em seu lugar.

28Ngomnyaka wesithathu ka-Asa inkosi yakwaJuda uBahasha wambulala, wabusa esikhundleni sakhe.

29 Logo que começou a reinar, matou toda a descendência de Jeroboão; não lhe deixou ninguém com vida, a todos exterminou, segundo a palavra do SENHOR, por intermédio do seu servo Aías, o silonita,

29 Kwathi eseyinkosi, wabulala yonke indlu kaJerobowamu, kashiyelanga uJerobowamu noyedwa ophefumulayo, waze wamqothula njengezwi uJehova alikhulumile ngesandla senceku yakhe u-Ahiya waseShilo,

30 por causa dos pecados que Jeroboão cometera e pelos que fizera Israel cometer, por causa da provocação com que irritara ao SENHOR, Deus de Israel.

30 ngenxa yezono zikaJerobowamu ona ngazo, futhi onisa ngazo u-Israyeli, ngokucunula kwakhe acunula ngakho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

31 Quanto aos mais atos de Nadabe e a tudo quanto fez, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Israel?

31Ezinye izindaba zikaNadabi nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

32 Houve guerra entre Asa e Baasa, rei de Israel, todos os seus dias.

32Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Asa noBahasha inkosi yakwa-Israyeli zonke izinsuku zabo.

O reinado de Baasa, de Israel

33 No ano terceiro de Asa, rei de Judá, Baasa, filho de Aías, começou a reinar sobre todo o Israel, em Tirza, e reinou vinte e quatro anos.

33Ngomnyaka wesithathu ka-Asa inkosi yakwaJuda uBahasha indodana ka-Ahiya waqala ukubusa phezu kuka-Israyeli wonke eTirisa, wabusa iminyaka engamashumi amabili nane.

34 Fez o que era mau perante o SENHOR e andou no caminho de Jeroboão e no seu pecado, o qual fizera Israel cometer.

34 Wenza okubi emehlweni kaJehova, wahamba endleleni kaJerobowamu nasesonweni sakhe onisa ngaso u-Israyeli.

1 Reis 16

A profecia de Jeú contra Baasa

1 Então, veio a palavra do SENHOR a Jeú, filho de Hanani, contra Baasa, dizendo:

1 AmaKhosi 16

Isiprofetho sikaJehu ngoBahasha

1Izwi likaJehova lafika kuJehu indodana kaHanani ngoBahasha, lathi:

[2] Porquanto te levantei do pó e te constituí príncipe sobre o meu povo de Israel, e tens andado no caminho de Jeroboão e tens feito pecar a meu povo de Israel, irritando-me com os seus pecados,

[3] eis que te exterminarei a ti, Baasa, e os teus descendentes e farei à tua casa como à casa de Jeroboão, filho de Nebate.

[4] Quem morrer a Baasa na cidade, os cães o comerão, e o que dele morrer no campo aberto, as aves do céu o comerão.

[5] Quanto aos mais atos de Baasa, e ao que fez, e ao seu poder, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Israel?

[6] Baasa descansou com seus pais e foi sepultado em Tirza; e Elá, seu filho, reinou em seu lugar.

[7] Assim, veio a palavra do SENHOR, por intermédio do profeta Jeú, filho de Hanani, contra Baasa e contra a sua descendência; e isso por todo o mal que fizera perante o SENHOR, irritando-o com as suas obras, para ser como a casa de Jeroboão, e também porque matara a casa de Jeroboão.

O reinado de Elá, de Israel, e a conspiração de Zinri

[8] No vigésimo sexto ano de Asa, rei de Judá, Elá, filho de Baasa, começou a reinar em Tirza sobre Israel; e reinou dois anos.

[9] Zinri, seu servo, comandante da metade dos carros, conspirou contra ele. Achava-

[2] Njengokuba ngakuphakamisa othulini, ngakubeka umbusi wabantu bami u-Israyeli, kepha uhambe endleleni kaJerobowamu, wonisa abantu bami u-Israyeli ukuba bangicunule ngezono zabo,

[3] bheka, ngiyakukhukhula nokukhukhula uBahasha nendlu yakhe, ngenze indlu yakho ibe njengendlu kaJerobowamu indodana kaNebati.

[4]Yena wakwaBahasha ofela emzini uyakudliwa yizinja, nalowo wakwakhe ofela endle uyakudliwa yizinyoni zezulu.

[5] Ezinye izindaba zikaBahasha, nakwenzayo, namandla akhe, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

[6]UBahasha wayeselala koyise, wembelwa eTirisa; u-Ela indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[7]Kwafika ngesandla somprofethi uJehu indodana kaHanani izwi likaJehova ngoBahasha nendlu yakhe ngenxa yakho konke okubi akwenza emehlweni kaJehova ukuthi wamcunula ngomsebenzi wezandla zakhe, waba njengendlu kaJerobowamu, nangenxa yokuba wayiqothula.

O-Ela noZimri no-Omri no-Ahabi bangamakhosi kwa-Israyeli

[8]Ngomnyaka wamashumi amabili nesithupha ka-Asa, inkosi yakwaJuda, u-Ela, indodana kaBahasha, waqala ukubusa phezu kuka-Israyeli eTirisa, wabusa iminyaka emibili.

[9]Inceku yakhe uZimri, induna yenxenye yezinqola zakhe, yamenzela ugobe;

se Elá em Tirza, bebendo e embriagando-se em casa de Arsa, seu mordomo em Tirza.

eseTirisa ephuzile waze wadakwa endlini ka-Arisa owayephezu kwabendlu yaseTirisa,

10 Entrou Zinri, e o feriu, e o matou, no ano vigésimo sétimo de Asa, rei de Judá; e reinou em seu lugar.

10uZimri wangena, wamshaya, wambulala ngomnyaka wamashumi amabili nesikhombisa ka-Asa inkosi yakwaJuda, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

11 Logo que começou a reinar e se assentou no trono, feriu todos os descendentes de Baasa; não lhe deixou nenhum do sexo masculino, nem dos parentes, nem dos seus amigos.

11Kwathi esaqala nje ukubusa, esehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi, wabulala yonke indlu kaBahasha, kamshiyelanga nomntwana oyedwa owesilisa kwabazalana naye nakubo abangane bakhe.

12 Assim, exterminou Zinri todos os descendentes de Baasa, segundo a palavra do SENHOR, por intermédio do profeta Jeú, contra Baasa,

12UZimri waqeda kanjalo yonke indlu kaBahasha, njengezwi likaJehova alikhuluma ngoBahasha ngesandla sikaJehu umprofethi,

13 por todos os pecados de Baasa, e os pecados de Elá, seu filho, que cometeram, e pelos que fizeram Israel cometer, irritando ao SENHOR, Deus de Israel, com os seus ídolos.

13ngenxa yezono zonke zikaBahasha nezono zika-Ela indodana yakhe one ngazo, futhi onise ngazo u-Israyeli, baze bacunula uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngezithombe zabo.

14 Quanto aos mais atos de Elá e a tudo quanto fez, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Israel?

14Ezinye izindaba zika-Ela nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

[31]Ngokuba kuyakuphuma eJerusalema insali nasentabeni yaseSiyoni abayakusinda; ukushisekela kukaJehova kuyakufeza lokho.

[32] Ngalokho usho kanje uJehova ngenkosi yase-Asiriya, uthi: Ayiyikungena kulo muzi, ayiyikucibishela mcibisholo khona; ayiyikubhekisa kuwo isihlangu, ayiyikunqwabela iduli ngakuwo.

[33]Indlela eyafika ngayo, iyakubuya ngayo; ayiyikungena kulo muzi, usho uJehova.

[34] Ngiyakuwuvikela lo muzi ukuba ngiwusindise ngenxa yami nangenxa yenceku yami uDavide.

[35] Kwathi ngalobo busuku kwaphuma ingelosi kaJehova, yabulala ekamu labase-Asiriya abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayishiyagalombili nanhlanu; sekuvukwa ngakusasa, bheka, kwakuyizidumbu zodwa ezifileyo.

[36]Wayesesuka uSaneheribi inkosi yase-Asiriya, wahamba, wabuya, wahlala eNineve.

[37]Kwathi ekhuleka endlini kaNisiroki unkulunkulu wakhe, o-Adirameleki noSareseri bambulala ngenkemba, babalekela ezweni lase-Ararati. U-Esari Hadoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

2 Reis 20

A doença de Ezequias e a sua cura maravilhosa
2 Crônicas 32.24; Isaías 38.1-8

[1] Naqueles dias, Ezequias adoeceu de uma enfermidade mortal; veio ter com ele o profeta Isaías, filho de Amoz, e lhe disse: Assim diz o SENHOR: Põe em ordem a tua casa, porque morrerás e não viverás.

[2] Então, virou Ezequias o rosto para a parede e orou ao SENHOR, dizendo:

[3] Lembra-te, SENHOR, peço-te, de que andei diante de ti com fidelidade, com inteireza de coração, e fiz o que era reto aos teus olhos; e chorou muitíssimo.

[4] Antes que Isaías tivesse saído da parte central da cidade, veio a ele a palavra do SENHOR, dizendo:

[5] Volta e dize a Ezequias, príncipe do meu povo: Assim diz o SENHOR, o Deus de Davi, teu pai: Ouvi a tua oração e vi as tuas lágrimas; eis que eu te curarei; ao terceiro dia, subirás à Casa do SENHOR.

[6] Acrescentarei aos teus dias quinze anos e das mãos do rei da Assíria te livrarei, a ti e a esta cidade; e defenderei esta cidade por amor de mim e por amor de Davi, meu servo.

[7] Disse mais Isaías: Tomai uma pasta de figos; tomaram-na e a puseram sobre a úlcera; e ele recuperou a saúde.

2 AmaKhosi 20

Ukugula kukaHezekiya nokufa kwakhe

[1] Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula, wayephansi kokufa. Kwafika kuye u-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose, wathi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Yalela indlu yakho, ngokuba uyakufa, awuyikusinda.

[2]Wayesephendulela ubuso bakhe odongeni, wakhuleka kuJehova, wathi:

[3] Ngiyacela, Jehova: ake ukhumbule ukuthi ngihambile phambi kwakho ngeqiniso nangenhliziyo epheleleyo, ngenzile okuhle emehlweni akho. Wayesekhala uHezekiya ngokukhala okukhulu.

[4]Kwathi u-Isaya engakaphumi emzini ongaphakathi, izwi likaJehova lafika kuye, lathi:

[5] Buya, uthi kuHezekiya umholi wabantu bami: Usho kanje uJehova uNkulunkulu kaDavide uyihlo, uthi: Ngizwile umkhuleko wakho, ngibonile izinyembezi zakho; bheka, ngiyakukuphilisa; ngosuku lwesithathu uyakwenyukela endlini kaJehova.

[6] Ngiyakwenezela ezinsukwini zakho iminyaka eyishumi nanhlanu, ngikophule wena nalo muzi esandleni senkosi yase-Asiriya; ngiyakuwuvikela lo muzi ngenxa yami nangenxa yenceku yami uDavide.

[7]Wathi u-Isaya: Landani isigaxa samakhiwane. Basilanda, basibeka ethumbeni, wasinda.

[8] Ezequias disse a Isaías: Qual será o sinal de que o SENHOR me curará e de que, ao terceiro dia, subirei à Casa do SENHOR?

[9] Respondeu Isaías: Ser-te-á isto da parte do SENHOR como sinal de que ele cumprirá a palavra que disse: Adiantar-se-á a sombra dez graus ou os retrocederá?

[10] Então, disse Ezequias: É fácil que a sombra adiante dez graus; tal, porém, não aconteça; antes, retroceda dez graus.

[11] Então, o profeta Isaías clamou ao SENHOR; e fez retroceder dez graus a sombra lançada pelo sol declinante no relógio de Acaz.

A embaixada da Babilônia

Isaías 39.1-8

[12] Nesse tempo, Merodaque-Baladã, filho de Baladã, rei da Babilônia, enviou cartas e um presente a Ezequias, porque soube que estivera doente.

[13] Ezequias se agradou dos mensageiros e lhes mostrou toda a casa do seu tesouro, a prata, o ouro, as especiarias, os óleos finos, o seu arsenal e tudo quanto se achava nos seus tesouros; nenhuma coisa houve, nem em sua casa, nem em todo o seu domínio que Ezequias não lhes mostrasse.

[14] Então, Isaías, o profeta, veio ao rei Ezequias e lhe disse: Que foi que aqueles homens disseram e donde vieram a ti?

[8]Wayesethi uHezekiya ku-Isaya: Siyakuba yini isibonakaliso sokuthi uJehova uyangiphilisa nokuthi ngiyakwenyukela endlini kaJehova ngosuku lwesithathu na?

[9]Wathi u-Isaya: Lesi siyakuba yisibonakaliso kuwe esivela kuJehova sokuthi uJehova uyakukwenza lokho akukhulumileyo: isithunzi siyakuya phambili izinyathelo eziyishumi, noma siyakubuya izinyathelo eziyishumi na?

[10]UHezekiya wathi: Kulula kuso isithunzi ukuba selule izinyathelo eziyishumi; qha, isithunzi masibuye izinyathelo eziyishumi.

[11]U-Isaya umprofethi wakhala kuJehova, wasibuyisa isithunzi izinyathelo eziyishumi ebesizehlile ezinyathelweni zika-Ahazi.

Izithunywa zaseBabele

[12] Ngaleso sikhathi uMerodaki Baladani indodana kaBaladani, inkosi yaseBabele, wathuma abanezincwadi nesipho kuHezekiya, ngokuba wayezwile ukuthi uHezekiya kade egula.

[13]UHezekiya wabalalela, wababonisa yonke indlu yengcebo yakhe, isiliva, negolide, namakha, namafutha amahle, nendlu yezikhali zakhe, nakho konke okwafunyanwa engcebeni yakhe; akubangakho nto endlini yakhe nasembusweni wakhe wonke angababonisanga yona.

[14]Wayesefika u-Isaya umprofethi enkosini uHezekiya, wathi kuye: Batheni labo bantu; beze kuwe bevelaphi na? Wathi

Respondeu Ezequias: De uma terra longínqua vieram, da Babilônia.

[15] Perguntou ele: Que viram em tua casa? Respondeu Ezequias: Viram tudo quanto há em minha casa; coisa nenhuma há nos meus tesouros que eu não lhes mostrasse.

[16] Então, disse Isaías a Ezequias: Ouve a palavra do SENHOR:

[17] Eis que virão dias em que tudo quanto houver em tua casa, com o que entesouraram teus pais até ao dia de hoje, será levado para a Babilônia; não ficará coisa alguma, disse o SENHOR.

[18] Dos teus próprios filhos, que tu gerares, tomarão, para que sejam eunucos no palácio do rei da Babilônia.

[19] Então, disse Ezequias a Isaías: Boa é a palavra do SENHOR que disseste. Pois pensava: Haverá paz e segurança em meus dias.

A morte de Ezequias

2 Crônicas 32.32-33

[20] Quanto aos mais atos de Ezequias, e todo o seu poder, e como fez o açude e o aqueduto, e trouxe água para dentro da cidade, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá?

[21] Descansou Ezequias com seus pais; e Manassés, seu filho, reinou em seu lugar.

2 Reis 21

O reinado de Manassés, de Judá

2 Crônicas 33.1-9

uHezekiya: Bavela ezweni elikude eBabele.

[15]Wayesethi: Baboneni endlini yakho na? UHezekiya wathi: Babone konke okusendlini yami; akukho nto phakathi kwengcebo yami engingababonisanga yona.

[16]U-Isaya wathi kuHezekiya: Yizwa izwi likaJehova:

[17] Bheka, izinsuku ziyeza, lapho konke okusendlini yakho nalokho oyihlo abakubekelele khona kuze kube namuhla kuyakuyiswa eBabele; akuyikusala lutho, usho uJehova.

[18] Nasemadodaneni akho ayakuphuma kuwe, oyakuwazala, bayakuwathatha abe yizinceku endlini yobukhosi yenkosi yaseBabele.

[19]Wayesethi uHezekiya ku-Isaya: Lihle izwi likaJehova olikhulumileyo. Wathi futhi: Akunjalo, uma kuyakuba khona ukuthula nokulondeka emihleni yami, na?

[20]Ezinye izindaba zikaHezekiya, nawo onke amandla akhe, nokwenza kwakhe ichibi nomsele, nokungenisa kwakhe amanzi emzini, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[21]UHezekiya wayeselala koyise. UManase indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

2 AmaKhosi 21

UManase uyinkosi kwaJuda

[1] Tinha Manassés doze anos de idade quando começou a reinar e reinou cinqüenta e cinco anos em Jerusalém. Sua mãe chamava-se Hefzibá.

[2] Fez ele o que era mau perante o SENHOR, segundo as abominações dos gentios que o SENHOR expulsara de suas possessões, de diante dos filhos de Israel.

[3] Pois tornou a edificar os altos que Ezequias, seu pai, havia destruído, e levantou altares a Baal, e fez um poste-ídolo como o que fizera Acabe, rei de Israel, e se prostrou diante de todo o exército dos céus, e o serviu.

[4] Edificou altares na Casa do SENHOR, da qual o SENHOR tinha dito: Em Jerusalém porei o meu nome.

[5] Também edificou altares a todo o exército dos céus nos dois átrios da Casa do SENHOR.

[6] E queimou a seu filho como sacrifício, adivinhava pelas nuvens, era agoureiro e tratava com médiuns e feiticeiros; prosseguiu em fazer o que era mau perante o SENHOR, para o provocar à ira.

[7] Também pôs a imagem de escultura do poste-ídolo que tinha feito na casa de que o SENHOR dissera a Davi e a Salomão, seu filho: Nesta casa e em Jerusalém, que escolhi de todas as tribos de Israel, porei o meu nome para sempre;

[8] e não farei que os pés de Israel andem errantes da terra que dei a seus pais,

[1] UManase wayeneminyaka eyishumi nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi ayisihlanu nanhlanu eJerusalema; igama likanina lalinguHefisiba.

[2]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengezinengiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[3] Wabuye wakha izindawo eziphakemeyo uHezekiya uyise azichithile; wamisela uBali ama-altare, wenza u-Ashera njengokwenza kuka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli, wakhuleka kulo lonke ibandla lasezulwini, walikhonza.

[4] Wakha ama-altare endlini kaJehova, uJehova asho ngayo ukuthi: Ngiyakubeka igama lami eJerusalema.

[5]Wakhela nalo lonke ibandla lasezulwini ama-altare emagcekeni omabili endlu kaJehova.

[6] Wadabulisa indodana yakhe emlilweni, wahlola imihlola, wenza imilingo, wamisa abanamadlozi, nabathakathi, wenza okubi okuningi emehlweni kaJehova, waze wamcunula.

[7] Wabeka isithombe esibaziweyo sika-Ashera asenzileyo endlini asho ngayo uJehova kuDavide nakuSolomoni indodana yakhe ukuthi: Kule ndlu naseJerusalema engilikhethile ezizweni zonke zakwa-Israyeli ngiyakubeka igama lami kuze kube phakade;

[8]futhi angisayikuzulisa izinyawo zika-Israyeli, zisuke ezweni engalinika oyise,

contanto que tenham cuidado de fazer segundo tudo o que lhes tenho mandado e conforme toda a lei que Moisés, meu servo, lhes ordenou.

uma beyakugcina kuphela ukwenza njengakho konke engibayale ngakho nanjengawo wonke umthetho eyabayala ngawo inceku yami uMose.

9 Eles, porém, não ouviram; e Manassés de tal modo os fez errar, que fizeram pior do que as nações que o SENHOR tinha destruído de diante dos filhos de Israel.

9Kepha abalalelanga; uManase wabaphambukisa baze benza okubi kunabezizwe abachithayo uJehova phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

O juízo a respeito de Judá

10 Então, o SENHOR falou por intermédio dos profetas, seus servos, dizendo:

10UJehova wayesekhuluma ngezinceku zakhe abaprofethi, wathi:

11 Visto que Manassés, rei de Judá, cometeu estas abominações, fazendo pior que tudo que fizeram os amorreus antes dele, e também a Judá fez pecar com os ídolos dele,

11 Ngokuba uManase inkosi yakwaJuda enzile lezi zinengiso, enze kabi kunakho konke ukwenza kwama-Amori ayephambi kwakhe, wonisa noJuda ngezithombe zakhe,

12 assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Eis que hei de trazer tais males sobre Jerusalém e Judá, que todo o que os ouvir, lhe tinirão ambos os ouvidos.

12 ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiletha okubi phezu kweJerusalema naphezu kukaJuda ngangokuthi bonke abakuzwayo, izindlebe zabo zombili ziyakunkeneza ngakho.

13 Estenderei sobre Jerusalém o cordel de Samaria e o prumo da casa de Acabe; eliminarei Jerusalém, como quem elimina a sujeira de um prato, elimina-a e o emborca.

13 Ngiyakwelula phezu kweJerusalema umucu wokulinganisa waseSamariya, nomthofu wokumisa indlu ka-Ahabi; ngiyakwesula iJerusalema njengalokho umuntu esula isitsha, esesula asigumbuqele.

14 Abandonarei o resto da minha herança, entregá-lo-ei nas mãos de seus inimigos; servirá de presa e despojo para todos os seus inimigos.

14Ngiyakushiya insali yefa lami, ngiyinikele esandleni sezitha zayo, ibe yimpango nento ebanjiweyo yazo zonke izitha zayo;

15 Porquanto fizeram o que era mau perante mim e me provocaram à ira, desde o dia em que seus pais saíram do Egito até ao dia de hoje.

15ngokuba yenzile okubi emehlweni ami, ingicunulile kusukela osukwini oyise abaphuma ngalo eGibithe kuze kube namuhla.

[16] Além disso, Manassés derramou muitíssimo sangue inocente, até encher Jerusalém de um ao outro extremo, afora o seu pecado, com que fez pecar a Judá, praticando o que era mau perante o SENHOR.

A morte de Manassés
2 Crônicas 33.18-20

[17] Quanto aos mais atos de Manassés, e a tudo quanto fez, e ao seu pecado, que cometeu, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá?

[18] Manassés descansou com seus pais e foi sepultado no jardim da sua própria casa, no jardim de Uzá; e Amom, seu filho, reinou em seu lugar.

O reinado de Amom, de Judá
2 Crônicas 33.21-25

[19] Tinha Amom vinte e dois anos de idade quando começou a reinar e reinou dois anos em Jerusalém. Sua mãe se chamava Mesulemete e era filha de Haruz, de Jotbá.

[20] Fez o que era mau perante o SENHOR, como fizera Manassés, seu pai.

[21] Andou em todo o caminho em que andara seu pai, serviu os ídolos a que ele servira e os adorou.

[22] Assim, abandonou ele o SENHOR, Deus de seus pais, e não andou no caminho do SENHOR.

[23] Os servos do rei Amom conspiraram contra ele e o mataram em sua própria casa.

[16]Futhi uManase wachitha kakhulu igazi elingenacala, waze wagcwalisa iJerusalema kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni, ngaphandle kwesono sakhe onisa ngaso uJuda ngokwenza okubi emehlweni kaJehova.

[17]Ezinye izindaba zikaManase, nakho konke akwenzayo, nesono sakhe ona ngaso, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[18]UManase wayeselala koyise, wembelwa ensimini yendlu yakhe, insimu ka-Uza; u-Amoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[19]U-Amoni wayeneminyaka engamashumi amabili nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka emibili eJerusalema; igama likanina lalinguMeshulemeti, indodakazi kaHarusi waseJothiba.

[20]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengalokho enzile uManase uyise.

[21]Wahamba ngezindlela zonke uyise ahamba ngazo, wakhonza izithombe azikhonzayo uyise, wakhuleka kuzo;

[22]washiya uJehova uNkulunkulu wawoyise, kahambanga ngendlela kaJehova.

[23]Izinceku zika-Amoni zamenzela ugobe, zayibulala inkosi endlini yayo.

[24] Porém o povo da terra feriu todos os que conspiraram contra o rei Amom e constituiu a Josias, seu filho, rei em seu lugar.

[25] Quanto aos mais atos de Amom e a tudo que fez, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá?

[26] Foi ele enterrado na sua sepultura, no jardim de Uzá; e Josias, seu filho, reinou em seu lugar.

2 Reis 22

O reinado de Josias
2 Crônicas 34.1-2

[1] Tinha Josias oito anos de idade quando começou a reinar e reinou trinta e um anos em Jerusalém. Sua mãe se chamava Jedida e era filha de Adaías, de Bozcate.

[2] Fez ele o que era reto perante o SENHOR, andou em todo o caminho de Davi, seu pai, e não se desviou nem para a direita nem para a esquerda.

O rei repara o templo
2 Crônicas 34.8-13

[3] No décimo oitavo ano do seu reinado, o rei Josias mandou o escrivão Safã, filho de Azalias, filho de Mesulão, à Casa do SENHOR,

[4] dizendo: Sobe a Hilquias, o sumo sacerdote, para que conte o dinheiro que se trouxe à Casa do SENHOR, o qual os guardas da porta ajuntaram do povo;

[24]Kepha abantu bezwe bababulala bonke ababeyenzela inkosi u-Amoni ugobe; abantu bezwe bambeka uJosiya indodana yakhe inkosi esikhundleni sakhe.

[25]Ezinye izindaba zika-Amoni azenzayo angithi zilotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[26] Wembelwa ethuneni lakhe ensimini ka-Uza; uJosiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

2 AmaKhosi 22

Ukubusa kukaJosiya

[1] UJosiya wayeneminyaka eyisishiyagalombili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi amathathu nanye eJerusalema; igama likanina lalinguJedida indodakazi ka-Adaya waseBosikati.

[2]Wenza okulungile emehlweni kaJehova, wahamba ngendlela yonke kaDavide uyise, kachezukelanga ngakwesokunene nangakwesokhohlo.

[3]Kwathi ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJosiya inkosi yathuma uShafani indodana ka-Asaliya kaMeshulamu, umbhali, endlini kaJehova, yathi:

[4] Yenyukela kuHilikiya umpristi omkhulu ukuba abale imali eyiswe endlini kaJehova, iqoqwe ngabalindimnyango kubantu,

[5] que o dêem nas mãos dos que dirigem a obra e têm a seu cargo a Casa do SENHOR, para que paguem àqueles que fazem a obra que há na Casa do SENHOR, para repararem os estragos da casa:

[5]bayibeke esandleni sezisebenzi eziphethe indlu kaJehova, bakhokhele ngayo abasebenza umsebenzi wasendlini kaJehova ukulungisa izimfa zendlu,

[6] aos carpinteiros, aos edificadores e aos pedreiros; e comprem madeira e pedras lavradas, para repararem os estragos da casa.

[6]ababazi, nabakhi, nabakha ngamatshe, nokuthenga imithi namatshe abaziweyo ukulungisa indlu.

[7] Porém não se pediu conta do dinheiro que se lhes entregara nas mãos, porquanto procediam com fidelidade.

[7]Nokho akubalelwananga nabo ngemali eyabekwa esandleni sabo, ngokuba babethembekile ekuphatheni kwabo.

Hilquias acha o Livro da Lei
2 Crônicas 34.14-18

Incwadi yomthetho

[8] Então, disse o sumo sacerdote Hilquias ao escrivão Safã: Achei o Livro da Lei na Casa do SENHOR. Hilquias entregou o livro a Safã, e este o leu.

[8] UHilikiya, umpristi omkhulu, wathi kuShafani umbhali: Ngifumene incwadi yomthetho endlini kaJehova. UHilikiya wanika uShafani leyo ncwadi, wayifunda.

[9] Então, o escrivão Safã veio ter com o rei e lhe deu relatório, dizendo: Teus servos contaram o dinheiro que se achou na casa e o entregaram nas mãos dos que dirigem a obra e têm a seu cargo a Casa do SENHOR.

[9]UShafani umbhali waya enkosini, waletha umbiko enkosini, wathi: Izinceku zakho zithululile imali eyafunyanwa endlini, zayibeka esandleni sezisebenzi eziphethe indlu kaJehova.

[10] Relatou mais o escrivão Safã ao rei, dizendo: O sacerdote Hilquias me entregou um livro. E Safã o leu diante do rei.

[10]UShafani umbhali wayitshela inkosi, wathi: UHilikiya umpristi unginike incwadi. UShafani wayifunda phambi kwenkosi.

Josias manda consultar a profetisa Hulda
2 Crônicas 34.19-28

[11] Tendo o rei ouvido as palavras do Livro da Lei, rasgou as suas vestes.

[11]Kwathi lapho inkosi isizwile amazwi encwadi yomthetho, yaziklebhula izingubo zayo.

[12] Ordenou o rei a Hilquias, o sacerdote, a Aicão, filho de Safã, a Acbor, filho de Micaías, a Safã, o escrivão, e a Asaías, servo do rei, dizendo:

[12]Inkosi yayala uHilikiya umpristi, no-Ahikamu indodana kaShafani, no-Akibori indodana kaMikhaya, noShafani umbhali, no-Asaya inceku yenkosi, ithi:

[13] Ide e consultai o SENHOR por mim, pelo povo e por todo o Judá, acerca das palavras deste livro que se achou; porque grande é o furor do SENHOR que se acendeu contra nós, porquanto nossos pais não deram ouvidos às palavras deste livro, para fazerem segundo tudo quanto de nós está escrito.

[14] Então, o sacerdote Hilquias, Aicão, Acbor, Safã e Asaías foram ter com a profetisa Hulda, mulher de Salum, o guarda-roupa, filho de Ticva, filho de Harás, e lhe falaram. Ela habitava na cidade baixa de Jerusalém.

[15] Ela lhes disse: Assim diz o SENHOR, o Deus de Israel: Dizei ao homem que vos enviou a mim:

[16] Assim diz o SENHOR: Eis que trarei males sobre este lugar e sobre os seus moradores, a saber, todas as palavras do livro que leu o rei de Judá.

[17] Visto que me deixaram e queimaram incenso a outros deuses, para me provocarem à ira com todas as obras das suas mãos, o meu furor se acendeu contra este lugar e não se apagará.

[18] Porém ao rei de Judá, que vos enviou a consultar o SENHOR, assim lhe direis: Assim diz o SENHOR, o Deus de Israel, acerca das palavras que ouviste:

[19] Porquanto o teu coração se enterneceu, e te humilhaste perante o SENHOR,

[13] Hambani ningibuzele kuJehova, mina nabantu, naye wonke uJuda ngamazwi ale ncwadi efunyenweyo, ngokuba inkulu intukuthelo kaJehova esivuthelayo, ngokuba obaba abalalelanga amazwi ale ncwadi ukwenza njengakho konke okulotshiwe ngathi.

Umprofethikazi uHulida

[14]Base behamba uHilikiya umpristi, no-Ahikamu, no-Akibori, noShafani, no-Asaya, baya kuHulida umprofethikazi, umkaShalumi, indodana kaThikiva kaHarihasi, umgcinizingubo -- wahlala eJerusalema enxenyeni yesibili -- bakhuluma kuye.

[15]Wathi kubo: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Tshelani umuntu onithume kimi ukuthi:

[16]Usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiyakwehlisela okubi phezu kwale ndawo naphezu kwabakhileyo kuyo, onke amazwi aleyo ncwadi eyifundile inkosi yakwaJuda,

[17]ngokuba bangishiyile, bashisela abanye onkulunkulu impepho baze bangicunula ngawo wonke umsebenzi wezandla zabo; intukuthelo yami iyakuvuthela le ndawo, ayiyikucinywa.

[18]Kepha enkosini yakwaJuda eyanithuma ukubuza kuJehova niyakusho kuyo kanje, nithi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Maqondana namazwi owezwileyo,

[19]ngenxa yokuba inhliziyo yakho yayithambile wazithoba phambi

quando ouviste o que falei contra este lugar e contra os seus moradores, que seriam para assolação e para maldição, e rasgaste as tuas vestes, e choraste perante mim, também eu te ouvi, diz o SENHOR.

kukaJehova, lapho wezwa lokho engakukhuluma ngale ndawo nangabakhileyo kuyo ukuthi kuyakuba yincithakalo nesiqalekiso, waklebhula izingubo zakho, wakhala phambi kwami, mina ngikuzwile, usho uJehova.

[20] Pelo que, eis que eu te reunirei a teus pais, e tu serás recolhido em paz à tua sepultura, e os teus olhos não verão todo o mal que hei de trazer sobre este lugar. Então, levaram eles ao rei esta resposta.

[20]Ngalokho bheka, ngiyakukubuthela koyihlo ubuthelwe ethuneni lakho ngokuthula, angaboni amehlo akho konke okubi engiyakukwehlisela phezu kwale ndawo. Babuyisela enkosini leli zwi.

2 Reis 23

Josias renova a aliança ante o Senhor
2 Crônicas 34.29-33

[1] Então, deu ordem o rei, e todos os anciãos de Judá e de Jerusalém se ajuntaram a ele.

[2] O rei subiu à Casa do SENHOR, e com ele todos os homens de Judá, todos os moradores de Jerusalém, os sacerdotes, os profetas e todo o povo, desde o menor até ao maior; e leu diante deles todas as palavras do Livro da Aliança que fora encontrado na Casa do SENHOR.

[3] O rei se pôs em pé junto à coluna e fez aliança ante o SENHOR, para o seguirem, guardarem os seus mandamentos, os seus testemunhos e os seus estatutos, de todo o coração e de toda a alma, cumprindo as palavras desta aliança, que estavam escritas naquele livro; e todo o povo anuiu a esta aliança.

A purificação do templo e do culto
2 Crônicas 34.3-7

2 AmaKhosi 23

Isivuselelo sikaJosiya

[1] Inkosi yathumela, babuthela kuyo onke amalunga akwaJuda nawaseJerusalema.

[2] Inkosi yenyukela endlini kaJehova, bonke abantu bakwaJuda nabo bonke abakhileyo eJerusalema benayo, kanye nabapristi nabaprofethi, yebo, abantu bonke, abancane nabakhulu, yafunda ezindlebeni zabo onke amazwi encwadi yesivumelwano ebifunyenwe endlini kaJehova.

[3] Inkosi yema ngasensikeni, yenza isivumelwano phambi kukaJehova ukumlandela uJehova nokugcina imiyalo yakhe, nobufakazi bakhe, nezimiso zakhe ngenhliziyo yonke nangomphefumulo wonke ukuqinisa amazwi alesi sivumelwano alotshwe kule ncwadi; bonke abantu basivuma isivumelwano.

[4] Então, o rei ordenou ao sumo sacerdote Hilquias, e aos sacerdotes da segunda ordem, e aos guardas da porta que tirassem do templo do SENHOR todos os utensílios que se tinham feito para Baal, e para o poste-ídolo, e para todo o exército dos céus, e os queimou fora de Jerusalém, nos campos de Cedrom, e levou as cinzas deles para Betel.

[4] Inkosi yayisiyala uHilikiya umpristi omkhulu, nabapristi besigaba sesibili, nabalindimnyango ukukhipha ethempelini likaJehova zonke izinto ezazenzelwe oBali, no-Ashera, nebandla lonke lasezulwini, yazishisa ngaphandle kweJerusalema emasimini aseKidroni, yayisa umlotha wazo eBethele.

[5] Também destituiu os sacerdotes que os reis de Judá estabeleceram para incensarem sobre os altos nas cidades de Judá e ao redor de Jerusalém, como também os que incensavam a Baal, ao sol, e à lua, e aos mais planetas, e a todo o exército dos céus.

[5] Yabasusa abapristi bezithombe amakhosi akwaJuda abamisele ukushisa impepho ezindaweni eziphakemeyo emizini yakwaJuda nanxazonke zeJerusalema, kanye nabashisa impepho kuBali nakulo ilanga nenyanga nezinkanyezi nalo lonke ibandla lasezulwini.

[6] Também tirou da Casa do SENHOR o poste-ídolo, que levou para fora de Jerusalém até ao vale de Cedrom, no qual o queimou e o reduziu a pó, que lançou sobre as sepulturas do povo.

[6] Yakhipha u-Ashera endlini kaJehova, yamkhiphela phandle kweJerusalema, yamyisa ngasemfudlaneni iKidroni, yamshisa ngasemfudlaneni iKidroni, yamcolisisa waba yincushuncushu, yayiphonsa incushuncushu yakhe emathuneni abantu nje.

[7] Também derribou as casas da prostituição-cultual que estavam na Casa do SENHOR, onde as mulheres teciam tendas para o poste-ídolo.

[7] Yadiliza izindlu zezifebe zethempeli ezazisendlini kaJehova, lapho abesifazane bemelukela khona u-Ashera amatende.

[8] A todos os sacerdotes trouxe das cidades de Judá e profanou os altos em que os sacerdotes incensavam, desde Geba até Berseba; e derribou os altares das portas, que estavam à entrada da porta de Josué, governador da cidade, à mão esquerda daquele que entrava por ela.

[8] Yakhipha bonke abapristi emizini yakwaJuda, yangcolisa izindawo eziphakemeyo, lapho abapristi bebeshise khona impepho, kusukela eGeba kuze kube seBeri Sheba; yadiliza izindawo eziphakemeyo zasemasangweni asesikhaleni sesango likaJoshuwa

umphathimuzi, ezazingakwesokhohlo somuntu ngasesangweni lomuzi.

[9] (Mas os sacerdotes dos altos não sacrificavam sobre o altar do SENHOR, em Jerusalém; porém comiam pães asmos no meio de seus irmãos.)

[9] Kodwa abapristi basezindaweni eziphakemeyo babengenyukeli e-altare likaJehova eJerusalema, kepha badla isinkwa esingenamvubelo phakathi kwabafowabo.

[10] Também profanou a Tofete, que está no vale dos filhos de Hinom, para que ninguém queimasse a seu filho ou a sua filha como sacrifício a Moloque.

[10] Yangcolisa iThofeti elisesigodini sabantwana bakwaHinomu ukuba kungabikho muntu odabulisa indodana yakhe noma indodakazi yakhe emlilweni kuMoloki.

[11] Também tirou os cavalos que os reis de Judá tinham dedicado ao sol, à entrada da Casa do SENHOR, perto da câmara de Natã-Meleque, o camareiro, a qual ficava no átrio; e os carros do sol queimou.

[11]Yasusa namahhashi amakhosi akwaJuda anikele ngawo kulo ilanga ngasendleleni yokungena endlini kaJehova ngasekamelweni likaNathani Meleki induna yasePariwarimi, yashisa izinqola zelanga ngomlilo.

[12] Também o rei derribou os altares que estavam sobre a sala de Acaz, sobre o terraço, altares que foram feitos pelos reis de Judá, como também os altares que fizera Manassés nos dois átrios da Casa do SENHOR; e, esmigalhados, os tirou dali e lançou o pó deles no ribeiro de Cedrom.

[12] Ama-altare ayesophahleni lwekamelo eliphezulu lika-Ahazi, elenziwe ngamakhosi akwaJuda, nama-altare enziwe nguManase emagcekeni omabili endlu kaJehova inkosi yawadiliza, yasuka yagijima, yalahla uthuli emfudlaneni iKidroni.

[13] O rei profanou também os altos que estavam defronte de Jerusalém, à mão direita do monte da Destruição, os quais edificara Salomão, rei de Israel, para Astarote, abominação dos sidônios, e para Quemos, abominação dos moabitas, e para Milcom, abominação dos filhos de Amom.

[13] Izindawo eziphakemeyo ezaziphambi kweJerusalema, ngakwesokunene kweNtaba Yokonakala, uSolomoni inkosi yakwa-Israyeli ayezakhele u-Ashitaroti isinengiso samaSidoni, noKemoshi isinengiso sakwaMowabi, noMilkomu isinengiso sabantwana bakwa-Amoni, inkosi yazingcolisa.

[14] Semelhantemente, fez em pedaços as colunas e cortou os postes-ídolos; e o lugar onde estavam encheu ele de ossos humanos.

[14] Yaphahlaza izinsika, yanquma o-Ashera, yagcwalisa izindawo zabo ngamathambo abantu.

Profanado e derribado o altar de Betel

[15] Também o altar que estava em Betel e o alto que fez Jeroboão, filho de Nebate, que tinha feito pecar a Israel, esse altar junto com o alto o rei derribou; destruiu o alto, reduziu a pó o seu altar e queimou o poste-ídolo.

[15] I-altare elaliseBethele, nendawo ephakemeyo eyenziwe nguJerobowamu indodana kaNebati owonisa u-Israyeli, nalelo altare kanye nendawo ephakemeyo yakudiliza, yayishisa indawo ephakemeyo, yayicolisisa yaba yincushuncushu, yashisa no-Ashera.

[16] Olhando Josias ao seu redor, viu as sepulturas que estavam ali no monte; mandou tirar delas os ossos, e os queimou sobre o altar, e assim o profanou, segundo a palavra do SENHOR, que apregoara o homem de Deus que havia anunciado estas coisas.

[16] UJosiya waphenduka, wabona amathuna ayelapho entabeni; wathumela wakhipha amathambo emathuneni, wawashisa e-altare, walingcolisa njengezwi likaJehova alimemeza lowo muntu kaNkulunkulu owamemezela lezi zinto.

[17] Então, perguntou: Que monumento é este que vejo? Responderam-lhe os homens da cidade: É a sepultura do homem de Deus que veio de Judá e apregoou estas coisas que fizeste contra o altar de Betel.

[17] Wayesethi: Yitshe lini leli engilibonayo na? Abantu bomuzi bamtshela bathi: Yithuna lalowo muntu kaNkulunkulu owavela kwaJuda, wamemezela lezi zindaba osuzenzile nge-altare laseBethele.

[18] Josias disse: Deixai-o estar; ninguém mexa nos seus ossos. Assim, deixaram estar os seus ossos com os ossos do profeta que viera de Samaria.

[18] Wathi: Myekeni; mawanganyakaziswa muntu amathambo akhe. Base beyeka amathambo akhe kanye namathambo alowo mprofethi owavela eSamariya.

[19] Também tirou Josias todos os santuários dos altos que havia nas cidades de Samaria e que os reis de Israel tinham feito para provocarem o SENHOR à ira; e lhes fez segundo todos os atos que tinha praticado em Betel.

[19]Nazo zonke izindlu zezindawo eziphakemeyo ezazisemizini yaseSamariya, ezenziwa ngamakhosi akwa-Israyeli acunula ngazo, uJosiya wazisusa, wenza kuzona njengazo zonke izenzo azenzileyo eBethele.

[20] E matou todos os sacerdotes dos altos que havia ali, sobre os altares, e queimou ossos humanos sobre eles; depois, voltou para Jerusalém.

[20]Wabulala ema-altare bonke abapristi basezindaweni eziphakemeyo ababe lapho, washisa amathambo abantu phezu kwawo, wabuyela eJerusalema.

A celebração da Páscoa
2 Crônicas 35.1-19

[21] Deu ordem o rei a todo o povo, dizendo: Celebrai a Páscoa ao SENHOR, vosso Deus, como está escrito neste Livro da Aliança.

[21] Inkosi yayisiyala bonke abantu ngokuthi: Yenzelani uJehova uNkulunkulu wenu iphasika njengokulotshiwe kule ncwadi yesivumelwano.

[22] Porque nunca se celebrou tal Páscoa como esta desde os dias dos juízes que julgaram Israel, nem durante os dias dos reis de Israel, nem nos dias dos reis de Judá.

[22]Ngokuba iphasika elinjalo lalingagcinwanga kusukela emihleni yabahluleli abahlulela u-Israyeli, nasemihleni yonke yamakhosi akwa-Israyeli, nakweyakwaJuda.

[23] Corria o ano décimo oitavo do rei Josias, quando esta Páscoa se celebrou ao SENHOR, em Jerusalém.

[23]Kepha ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJosiya leli phasika lenzelwa uJehova eJerusalema.

A piedade de Josias

[24] Aboliu também Josias os médiuns, os feiticeiros, os ídolos do lar, os ídolos e todas as abominações que se viam na terra de Judá e em Jerusalém, para cumprir as palavras da lei, que estavam escritas no livro que o sacerdote Hilquias achara na Casa do SENHOR.

[24] Futhi abanamadlozi, nabathakathi, namatherafi, nezithombe, nazo zonke izinengiso ezazibonwa ezweni lakwaJuda naseJerusalema uJosiya wakuqeda ukuba afeze amazwi omthetho alotshwe encwadini uHilikiya umpristi ayifumanayo endlini kaJehova.

[25] Antes dele, não houve rei que lhe fosse semelhante, que se convertesse ao SENHOR de todo o seu coração, e de toda a sua alma, e de todas as suas forças, segundo toda a Lei de Moisés; e, depois dele, nunca se levantou outro igual.

[25] Kwakungekho nkosi phambi kwakhe eyaphendukela kuJehova ngayo yonke inhliziyo yayo nangawo onke amandla ayo njengawo wonke umthetho kaMose, nangasemva kwakhe akuvelanga enjengaye.

[26] Nada obstante, o SENHOR não desistiu do furor da sua grande ira, ira com que ardia contra Judá, por todas as

[26] Nokho uJehova akabuyanga ekuvutheni kwentukuthelo yakhe enkulu, intukuthelo yakhe eyavuthela ngakho

provocações com que Manassés o tinha irritado.

[27] Disse o SENHOR: Também a Judá removerei de diante de mim, como removi Israel, e rejeitarei esta cidade de Jerusalém, que escolhi, e a casa da qual eu dissera: Estará ali o meu nome.

A morte de Josias
2 Crônicas 35.20-27

[28] Quanto aos mais atos de Josias e a tudo quanto fez, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá?

[29] Nos dias de Josias, subiu Faraó-Neco, rei do Egito, contra o rei da Assíria, ao rio Eufrates; e, tendo saído contra ele o rei Josias, Neco o matou, em Megido, no primeiro encontro.

[30] De Megido, os seus servos o levaram morto e, num carro, o transportaram para Jerusalém, onde o sepultaram no seu jazigo. O povo da terra tomou a Jeoacaz, filho de Josias, e o ungiu, e o fez rei em lugar de seu pai.

O reinado e deposição de Joacaz

2 Crônicas 36.1-4

[31] Tinha Jeoacaz vinte e três anos de idade quando começou a reinar e reinou três meses em Jerusalém. Sua mãe chamava-se Hamutal e era filha de Jeremias, de Libna.

uJuda, ngenxa yakho konke ukucunula uManase ayemcunule ngakho.

[27] UJehova wathi: Naye uJuda ngiyakumsusa ebusweni bami, njengalokho ngisuse u-Israyeli, ngiwulahle lo muzi engawukhethayo, nendlu engasho ngayo ukuthi igama lami liyakuba khona lapho.

[28]Ezinye izindaba zikaJosiya nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

Ukufa kukaJosiya

[29] Emihleni yakhe uFaro Nekho inkosi yaseGibithe wenyukela enkosini yase-Asiriya ngasemfuleni u-Ewufrathe; inkosi uJosiya yaya ukuhlangabezana naye; wayibulala eMegido, isanele ukumbona nje.

[30]Izinceku zayo zayisusa ngenqola eMegido ifile, zayiyisa eJerusalema, zayimbela ethumeni layo. Abantu bezwe bamthatha uJehowahazi indodana kaJosiya, bamgcoba, bambeka inkosi esikhundleni sikayise.

OJehowahazi noJehoyakimi bangamakhosi kwaJuda

[31] UJehowahazi wayeneminyaka engamashumi amabili nantathu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa izinyanga ezintathu eJerusalema; igama likanina lalinguHamuthali, indodakazi kaJeremiya waseLibina.

[32] Fez ele o que era mau perante o SENHOR, segundo tudo que fizeram seus pais.

[32]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke abakwenzileyo oyise.

[33] Porém Faraó-Neco o mandou prender em Ribla, na terra de Hamate, para que não reinasse em Jerusalém; e impôs à terra a pena de cem talentos de prata e um de ouro.

[33]UFaro Nekho wambopha eRibila ezweni laseHamati ukuba angabe esabusa eJerusalema, wathelisa izwe amatalenta ayikhulu esiliva netalenta legolide.

[34] Faraó-Neco também constituiu rei a Eliaquim, filho de Josias, em lugar de Josias, seu pai, e lhe mudou o nome para Jeoaquim; porém levou consigo para o Egito a Jeoacaz, que ali morreu.

[34]UFaro Nekho wambeka u-Eliyakimi indodana kaJosiya inkosi esikhundleni sikaJosiya uyise, waguqula igama lakhe laba nguJehoyakimi, kepha wamsusa uJehowahazi, waze waya eGibithe, wafela khona.

[35] Jeoaquim deu aquela prata e aquele ouro a Faraó; porém estabeleceu imposto sobre a terra, para dar esse dinheiro segundo o mandado de Faraó; do povo da terra exigiu prata e ouro, de cada um segundo a sua avaliação, para o dar a Faraó-Neco.

[35] UJehoyakimi wamnika uFaro isiliva negolide, kepha wathelisa izwe ukuba anike imali njengezwi likaFaro. Wakhiphisa abantu bezwe isiliva negolide, kwaba yilowo nalowo njengentela yakhe ukunika uFaro Nekho.

O reinado de Jeoaquim
2 Crônicas 36.5-8

[36] Tinha Jeoaquim a idade de vinte e cinco anos quando começou a reinar e reinou onze anos em Jerusalém. Sua mãe se chamava Zebida e era filha de Pedaías, de Ruma.

[36]UJehoyakimi wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema; igama likanina lalinguZebida, indodakazi kaPhedaya waseRuma.

[37] Fez ele o que era mau perante o SENHOR, segundo tudo quanto fizeram seus pais.

[37]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke abakwenzileyo oyise.

2 Reis 24

2 AmaKhosi 24

Ukuphela kukaJehoyakimi

[1] Nos dias de Jeoaquim, subiu Nabucodonosor, rei da Babilônia, contra

[1] Emihleni yakhe kwenyuka uNebukadinesari inkosi yaseBabele;

ele, e ele, por três anos, ficou seu servo; então, se rebelou contra ele.

[2] Enviou o SENHOR contra Jeoaquim bandos de caldeus, e bandos de siros, e de moabitas, e dos filhos de Amom; enviou-os contra Judá para o destruir, segundo a palavra que o SENHOR falara pelos profetas, seus servos.

[3] Com efeito, isto sucedeu a Judá por mandado do SENHOR, que o removeu da sua presença, por causa de todos os pecados cometidos por Manassés,

[4] como também por causa do sangue inocente que ele derramou, com o qual encheu a cidade de Jerusalém; por isso, o SENHOR não o quis perdoar.

[5] Quanto aos mais atos de Jeoaquim e a tudo quanto fez, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá?

[6] Descansou Jeoaquim com seus pais; e Joaquim, seu filho, reinou em seu lugar.

[7] O rei do Egito nunca mais saiu da sua terra; porque o rei da Babilônia tomou tudo quanto era dele, desde o ribeiro do Egito até ao rio Eufrates.

O reinado de Joaquim

2 Crônicas 36.9

[8] Tinha Joaquim dezoito anos de idade quando começou a reinar e reinou três

uJehoyakimi wayeyinceku yakhe iminyaka emithathu; wayesebuya, wamhlubuka.

[2] UJehova wathuma kuye amaviyo amaKaledi, namaviyo ama-Aramu, namaviyo abakwaMowabi, namaviyo abantwana bakwa-Amoni, wawathuma kuJuda ukumchitha njengezwi likaJehova alikhulumayo ngesandla sezinceku zakhe abaprofethi.

[3] Impela kwaba khona lokho kwaJuda ngezwi likaJehova ukubasusa ebusweni bakhe ngenxa yezono zikaManase njengakho konke akwenzileyo,

[4] nangenxa yegazi elingenacala alichithayo, ngokuba wagcwalisa iJerusalema ngegazi elingenacala, lokhu uJehova akavumanga ukukuthethelela.

[5]Ezinye izindaba zikaJehoyakimi nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[6]UJehoyakimi wayeselala koyise; uJehoyakini indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[7]Inkosi yaseGibithe ayiphindanga futhi ukuphuma ezweni lakubo, ngokuba inkosi yaseBabele yayithathile konke okwakungokwenkosi yaseGibithe, kusukela emfuleni waseGibithe kuze kube semfuleni u-Ewufrathe.

OJehoyakini noSedekiya bangamakhosi kwaJuda

[8] UJehoyakini wayeneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa izinyanga ezintathu

meses em Jerusalém. Sua mãe se chamava Neústa e era filha de Elnatã, de Jerusalém.

9 Fez ele o que era mau perante o SENHOR, conforme tudo quanto fizera seu pai.

Nabucodonosor leva cativa a nobreza de Jerusalém

10 Naquele tempo, subiram os servos de Nabucodonosor, rei da Babilônia, a Jerusalém, e a cidade foi cercada.

11 Nabucodonosor, rei da Babilônia, veio à cidade, quando os seus servos a sitiavam.

12 Então, subiu Joaquim, rei de Judá, a encontrar-se com o rei da Babilônia, ele, sua mãe, seus servos, seus príncipes e seus oficiais; e o rei da Babilônia, no oitavo ano do seu reinado, o levou cativo.

13 Levou dali todos os tesouros da Casa do SENHOR e os tesouros da casa do rei; e, segundo tinha dito o SENHOR, cortou em pedaços todos os utensílios de ouro que fizera Salomão, rei de Israel, para o templo do SENHOR.

14 Transportou a toda a Jerusalém, todos os príncipes, todos os homens valentes, todos os artífices e ferreiros, ao todo dez mil; ninguém ficou, senão o povo pobre da terra.

eJerusalema; igama likanina lalinguNehushita indodakazi ka-Elinathani waseJerusalema.

9Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uyise.

10Ngaleso sikhathi izinceku zikaNebukadinesari inkosi yaseBabele zenyukela eJerusalema, umuzi wavinjezelwa.

11UNebukadinesari inkosi yaseBabele weza emzini, izinceku zakhe zisawuvimbezele.

12UJehoyakini inkosi yakwaJuda waphuma, waya enkosini yaseBabele, yena nonina, nezinceku zakhe, nezikhulu zakhe, nezinduna zakhe; inkosi yaseBabele yamthatha ngomnyaka wesishiyagalombili wokubusa kwakhe.

13Yakhipha khona yonke ingcebo yendlu kaJehova nengcebo yendlu yenkosi, yahlahlela zonke izinto zegolide uSolomoni inkosi yakwa-Israyeli azenzileyo ethempelini likaJehova njengokukhuluma kukaJehova.

14Yathumba lonke iJerusalema, nazo zonke izikhulu, nawo onke amaqhawe anamandla, abathunjwa abayizinkulungwane eziyishumi, nezinyanga zonke zemisebenzi, nabakhandi; akushiywanga muntu ngaphandle kwabantu abayizimpofana bezwe.

[15] Transferiu também a Joaquim para a Babilônia; a mãe do rei, as mulheres deste, seus oficiais e os homens principais da terra, ele os levou cativos de Jerusalém à Babilônia.

[16] Todos os homens valentes, até sete mil, e os artífices, e ferreiros, até mil, todos eles destros na guerra, levou-os o rei da Babilônia cativos para a Babilônia.

[17] O rei da Babilônia estabeleceu rei, em lugar de Joaquim, ao tio paterno deste, Matanias, de quem mudou o nome para Zedequias.

O reinado de Zedequias

2 Crônicas 36.10-12; Jeremias 52.1-3

[18] Tinha Zedequias a idade de vinte e um anos quando começou a reinar e reinou onze anos em Jerusalém. Sua mãe se chamava Hamutal e era filha de Jeremias, de Libna.

[19] Fez ele o que era mau perante o SENHOR, conforme tudo quanto fizera Joaquim.

A queda de Jerusalém

Jeremias 39.1-7; 52.3-11

[20] Assim sucedeu por causa da ira do SENHOR contra Jerusalém e contra Judá, a ponto de os rejeitar de sua presença. Zedequias rebelou-se contra o rei da Babilônia.

2 Reis 25

[15] Yathumba uJehoyakini, yamyisa eBabele; nonina wenkosi, nabafazi benkosi, nezinduna zayo, nabakhulu bezwe yabamukisa ngokubathumba eJerusalema, yabayisa eBabele.

[16] Onke amadoda anamandla, ayizinkulungwane eziyisikhombisa, nezinyanga, nabakhandi, abayinkulungwane, bonke bengamaqhawe azilungiselele ukulwa, nabo inkosi yaseBabele yabayisa eBabele ngokubathumba.

[17] Inkosi yaseBabele yambeka uMathaniya, uyisekazi, inkosi esikhundleni sakhe, yaguqula igama lakhe laba nguSedekiya.

[18] USedekiya wayeneminyaka engamashumi amabili nanye ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema; igama likanina lalinguHamithali, indodakazi kaJeremiya waseLibina.

[19]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uJehoyakimi.

[20]Ngokuba kwenzeka lokho eJerusalema nakwaJuda ngenxa yentukuthelo kaJehova, waze wabalahla ebusweni bakhe; uSedekiya wayihlubuka inkosi yaseBabele.

2 AmaKhosi 25

Ukuchithwa kweJerusalema

[1] Sucedeu que, no nono ano do reinado de Zedequias, aos dez dias do décimo mês, Nabucodonosor, rei da Babilônia, veio contra Jerusalém, ele e todo o seu exército, e se acamparam contra ela, e levantaram contra ela tranqueiras em redor.

[2] A cidade ficou sitiada até ao undécimo ano do rei Zedequias.

[3] Aos nove dias do quarto mês, quando a cidade se via apertada da fome, e não havia pão para o povo da terra,

[4] então, a cidade foi arrombada, e todos os homens de guerra fugiram de noite pelo caminho da porta que está entre os dois muros perto do jardim do rei, a despeito de os caldeus se acharem contra a cidade em redor; o rei fugiu pelo caminho da Campina,

[5] porém o exército dos caldeus perseguiu o rei Zedequias e o alcançou nas campinas de Jericó; e todo o exército deste se dispersou e o abandonou.

[6] Então, o tomaram preso e o fizeram subir ao rei da Babilônia, a Ribla, o qual lhe pronunciou a sentença.

[7] Aos filhos de Zedequias mataram à sua própria vista e a ele vazaram os olhos; ataram-no com duas cadeias de bronze e o levaram para a Babilônia.

O cativeiro de Judá

2 Crônicas 36.17-21; Jeremias 39.8-10; 52.12-30

[8] No sétimo dia do quinto mês, do ano décimo nono de Nabucodonosor, rei da Babilônia, Nebuzaradã, chefe da guarda e

[1] Kwathi ngomnyaka wesishiyagalolunye wokubusa kwakhe, ngenyanga yeshumi ngolweshumi lwenyanga, uNebukadinesari inkosi yaseBabele wafika, yena nayo yonke impi yakhe, eJerusalema, wamisa malungana nalo; bakha inqaba ngakulo nxazonke.

[2]Wawusuvinjezelwa umuzi kwaze kwaba ngumnyaka weshumi nanye wenkosi uSedekiya.

[3]Ngosuku lwesishiyagalolunye lwenyanga indlala yaba namandla emzini, akubangakho kudla kubantu bezwe.

[4]Kepha wawusufohlwa umuzi, onke amadoda empi abaleka ebusuku ngendlela yesango phakathi kwezingange zombili ezazingasensimini yenkosi amaKaledi ayekhona nxazonke zomuzi ahamba ngendlela yase-Araba.

[5]Kodwa impi yamaKaledi yayixosha inkosi, yayifica emathafeni aseJeriko, yonke impi yayo yahlakazeka.

[6]Ayeseyibamba inkosi, ayenyusela enkosini yaseBabele eRibila; ayahlulela.

[7]Abulala amadodana kaSedekiya phambi kwamehlo akhe, akhipha amehlo kaSedekiya, ambopha ngamaketanga, amyisa eBabele.

[8]Ngenyanga yesihlanu ngolwesikhombisa lwenyanga okwakungumnyaka weshumi nesishiyagalolunye wenkosi

servidor do rei da Babilônia, veio a Jerusalém.

9 E queimou a Casa do SENHOR e a casa do rei, como também todas as casas de Jerusalém; também entregou às chamas todos os edifícios importantes.

10 Todo o exército dos caldeus que estava com o chefe da guarda derribou os muros em redor de Jerusalém.

11 O mais do povo que havia ficado na cidade, e os desertores que se entregaram ao rei da Babilônia, e o mais da multidão, Nebuzaradã, o chefe da guarda, levou cativos.

12 Porém dos mais pobres da terra deixou o chefe da guarda ficar alguns para vinheiros e para lavradores.

13 Cortaram em pedaços os caldeus as colunas de bronze que estavam na Casa do SENHOR, como também os suportes e o mar de bronze que estavam na Casa do SENHOR; e levaram o bronze para a Babilônia.

14 Levaram também as panelas, as pás, as espevitadeiras, os recipientes de incenso e todos os utensílios de bronze, com que se ministrava.

15 Tomou também o chefe da guarda os braseiros, as bacias e tudo quanto fosse de ouro ou de prata.

16 Quanto às duas colunas, ao mar e aos suportes que Salomão fizera para a Casa do SENHOR, o peso do bronze de todos estes utensílios era incalculável.

uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, kwafika uNebuzaradani induna yabalindi, inceku yenkosi yaseBabele, eJerusalema.

9Washisa indlu kaJehova nendlu yenkosi; nazo zonke izindlu zaseJerusalema, zonke izindlu ezinkulu, wazishisa ngomlilo.

10Yonke impi yamaKaledi induna yabalindi eyayinayo yadiliza izingange zaseJerusalema nxazonke.

11Abanye abantu ababesele emzini, nabahlubukileyo behlubukela enkosini yaseBabele, nesixuku esiseleyo uNebuzaradani induna yabalindi wabathumba.

12 Kepha induna yabalindi yashiya abantu bezwe abayizimpofana ukuba baphathe izivini namasimu.

13 Izinsika zethusi ezazisendlini yenkosi, nezinqe, nolwandle lwethusi okwakusendlini kaJehova amaKaledi akuhlephula, athuthela ithusi lakho eBabele.

14Amakhanzi, namafosholo, nezizenze, nezinkezo, nazo zonke izitsha zethusi ababekhonza ngazo akuthatha.

15 Nemicengezi yomlilo, nezitsha, okwegolide lodwa nesiliva lodwa, nalokho induna yabalindi yakuthatha.

16Izinsika zombili, nolwandle olwalulunye nje, nezinqe uSolomoni ayekwenzele indlu kaJehova, ithusi lazo zonke lezi zinto lalingenakulinganiswa.

[17] A altura de uma coluna era de dezoito côvados, e sobre ela havia um capitel de bronze de três côvados de altura; a obra de rede e as romãs sobre o capitel ao redor, tudo era de bronze; semelhante a esta era a outra coluna com a rede.

[17] Ukuphakama kwensika eyodwa kwakuyizingalo eziyishumi nesishiyagalombili; phezu kwayo kwakukhona isihloko sethusi; ukuphakama kwesihloko esisodwa kwakuyizingalo ezintathu; kwakukhona nenetha namapomegranati phezu kwesihloko nxazonke, konke kwakungokwethusi; kwakunjalo nasensikeni yesibili enetheni.

[18] Levou também o chefe da guarda a Seraías, sumo sacerdote, e a Sofonias, segundo sacerdote, e os três guardas da porta.

[18]Induna yabalindi yathatha uSeraya umpristi omkhulu, noZefaniya umpristi wesibili, nabalindimnyango abathathu;

[19] Da cidade tomou a um oficial, que era comandante das tropas de guerra, e cinco homens dos que eram conselheiros do rei e se achavam na cidade, como também ao escrivão-mor do exército, que alistava o povo da terra, e sessenta homens do povo do lugar, que se achavam na cidade.

[19]yathatha emzini induna eyayimiswe phezu kwamadoda empi, nabantu abayisihlanu kwababesebusweni benkosi abafunyanwa emzini, nombhali wenduna yempi eyayibala abantu bezwe, nabantu bezwe abangamashumi ayisithupha abafunyanwa emzini.

[20] Tomando-os, Nebuzaradã, o chefe da guarda, levou-os ao rei da Babilônia, a Ribla.

[20]UNebuzaradani induna yabalindi wabathatha, wabayisa enkosini yaseBabele eRibila.

[21] O rei da Babilônia os feriu e os matou em Ribla, na terra de Hamate. Assim, Judá foi levado cativo para fora da sua terra.

[21]Inkosi yaseBabele yabashaya, yababulala eRibila ezweni laseHamati. Wathunjwa kanjalo uJuda ezweni lakubo.

[22] Quanto ao povo que ficara na terra de Judá, Nabucodonosor, rei da Babilônia, que o deixara ficar, nomeou governador sobre ele a Gedalias, filho de Aicão, filho de Safã.

[22] Abantu abaseleyo ezweni lakwaJuda abashiyiwe nguNebukadinesari inkosi yaseBabele, phezu kwabo wenza uGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani abe ngumbusi.

Ismael mata a Gedalias

[23] Ouvindo, pois, os capitães dos exércitos, eles e os seus homens, que o rei da Babilônia nomeara governador a Gedalias,

[23]Zonke izinduna zempi, zona nabantu bazo, sezizwile ukuthi inkosi yaseBabele imenzile uGedaliya umbusi ezweni, zaya

vieram ter com este em Mispa, a saber, Ismael, filho de Netanias, Joanã, filho de Careá, Seraías, filho de Tanumete, o netofatita, e Jazanias, filho do maacatita, eles e os seus homens.

kuGedaliya eMispa: u-Ishmayeli indodana kaNethaniya, noJohanani indodana kaKhareya, noSeraya indodana kaThanihumeti waseNethofa, noJahazaniya indodana yomMahakha, bona nabantu babo.

[60] da tribo de Benjamim, Geba com seus arredores, Alemete com seus arredores e Anatote com seus arredores; ao todo, treze cidades, segundo as suas famílias.

[61] Aos filhos de Coate, que restaram da família da tribo, caíram por sorte dez cidades da meia tribo, metade de Manassés.

[62] Aos filhos de Gérson, segundo as suas famílias, da tribo de Issacar, da tribo de Aser, da tribo de Naftali e da tribo de Manassés, em Basã, caíram treze cidades.

[63] Aos filhos de Merari, segundo as suas famílias, da tribo de Rúben, da tribo de Gade e da tribo de Zebulom, caíram por sorte doze cidades.
[64] Assim, deram os filhos de Israel aos levitas estas cidades com seus arredores.
[65] Deram-lhes por sorte, da tribo dos filhos de Judá, da tribo dos filhos de Simeão e da tribo dos filhos de Benjamim, estas

[55]wona bawanika iHebroni ezweni lakwaJuda namadlelo alizungezayo.
[56]Kodwa amasimu omuzi nemizana yawo bakunika uKalebi, indodana kaJefune.
[57] Banika amadodana ka-Aroni imizi yokuphephela, iHebroni neLibina namadlelo awo, neJatiri, ne-Eshitemowa namadlelo awo,
[58]neHileni namadlelo alo, neDebiri namadlelo alo,
[59]ne-Ashani namadlelo alo, neBetiShemeshi namadlelo alo,
[60]nasesizweni sakwaBenjamini, iGeba namadlelo alo, ne-Alemeti namadlelo alo, ne-Anathoti namadlelo alo. Yonke imizi yawo ngemindeni yawo yayiyimizi eyishumi nantathu.
[61]Amadodana aseleyo kaKohati anikwa ngenkatho emndenini wesizwe, enxenyeni yesizwe, inxenye kaManase, imizi eyishumi,
[62]namadodana kaGereshomu ngemindeni yawo esizweni sakwa-Isakare, nasesizweni sakwa-Asheri, nasesizweni sakwaNafetali, nasesizweni sakwaManase, eBashani, imizi eyishumi nantathu,
[63]namadodana kaMerari ngenkatho ngemindeni yawo esizweni sakwaRubeni, nasesizweni sakwaGadi, nasesizweni sakwaZebuloni imizi eyishumi nambili.
[64]Abantwana bakwa-Israyeli banika amaLevi leyo mizi namadlelo ayo.
[65]Banika ngenkatho leyo mizi ebizwe ngamagama esizweni sabantwana bakwaJuda, nasesizweni sabantwana

cidades, que são mencionadas nominalmente.

[66] A algumas das famílias dos filhos de Coate foram dadas cidades dos seus territórios da parte da tribo de Efraim.

[67] Pois lhes deram as cidades de refúgio, Siquém com seus arredores, na região montanhosa de Efraim, como também Gezer com seus arredores,

[68] Jocmeão com seus arredores, Bete-Horom com seus arredores,

[69] Aijalom com seus arredores e Gate-Rimom com seus arredores;

[70] e, da meia tribo de Manassés, Aner com seus arredores e Bileã com seus arredores foram dadas às demais famílias dos filhos de Coate.

[71] Aos filhos de Gérson, da família da meia tribo de Manassés, deram, em Basã, Golã com seus arredores e Astarote com seus arredores;

[72] e da tribo de Issacar: Quedes com seus arredores, Daberate com seus arredores,

[73] Ramote com seus arredores e Aném com seus arredores;

[74] e da tribo de Aser: Masal com seus arredores, Abdom com seus arredores,

[75] Hucoque com seus arredores e Reobe com seus arredores;

[76] e da tribo de Naftali na Galiléia: Quedes com seus arredores, Hamom com seus arredores e Quiriataim com seus arredores.

bakwaSimeyoni, nasesizweni sabantwana bakwaBenjamini.

[66] Eminye imindeni yamadodana kaKohati yayinemizi yemikhawulo yayo esizweni sakwa-Efrayimi.

[67]Bayinika imizi yokuphephela: iShekemi ezintabeni zakwa-Efrayimi namadlelo alo, neGezeri namadlelo alo,

[68]neJokimeyamu namadlelo alo, neBeti Horoni namadlelo alo,

[69]ne-Ajaloni namadlelo alo, neGati Rimoni namadlelo alo,

[70]nasenxenyeni yesizwe sakwaManase i-Anere namadlelo alo, neBileyamu namadlelo alo, ibe ngeyomndeni oseleyo wamadodana kaKohati.

[71] Amadodana kaGereshomu anikwa emndenini wenxenye yesizwe sakwaManase iGolanu, eBashani, namadlelo alo ne-Ashitaroti namadlelo alo;

[72]nasesizweni sakwa-Isakare iKedeshi namadlelo alo, neDaberati namadlelo alo,

[73]neRamoti namadlelo alo, ne-Anemi namadlelo alo;

[74]nasesizweni sakwa-Asheri iMashali namadlelo alo, ne-Abidoni namadlelo alo,

[75]neHukoki namadlelo alo, neRehobe namadlelo alo;

[76]nasesizweni sakwaNafetali iKedeshi eGalile namadlelo alo, neHamoni namadlelo alo, neKiriyatayimi namadlelo alo.

[77] Os demais filhos de Merari receberam, da tribo de Zebulom, Rimono com seus arredores e Tabor com seus arredores;
[78] e dalém do Jordão, na altura de Jericó, ao oriente do Jordão, deram-se-lhes, da tribo de Rúben, Bezer com seus arredores no deserto, Jaza com seus arredores,
[79] Quedemote com seus arredores e Mefaate com seus arredores;
[80] e da tribo de Gade em Gileade: Ramote com seus arredores, Maanaim com seus arredores,
[81] Hesbom com seus arredores e Jazer com seus arredores.

1 Crônicas 7

Descendentes de Issacar

[1] Os filhos de Issacar foram: Tola, Puá, Jasube e Sinrom; quatro ao todo.

[2] Os filhos de Tola: Uzi, Refaías, Jeriel, Jamai, Ibsão e Samuel, chefes das suas famílias, descendentes de Tola; homens valentes nas suas gerações, cujo número, nos dias de Davi, foi de vinte e dois mil e setecentos.

[3] O filho de Uzi: Izraías; e os filhos de Izraías: Micael, Obadias, Joel e Issias; cinco ao todo; todos eles chefes.

[4] Tinham, nas suas gerações, segundo as suas famílias, em tropas de guerra, trinta

[77] Aseleyo, amadodana kaMerari, anikwa esizweni sakwaZebuloni iRimono namadlelo alo neGhabori namadlelo alo,
[78]naphesheya kweJordani ngaseJeriko ngasempumalanga kwaseJordani esizweni sakwaRubeni iBeseri ehlane namadlelo alo, neJahasa namadlelo alo,
[79]neKedemoti namadlelo alo, neMefahati namadlelo alo;
[80]nasesizweni sakwaGadi iRamoti kwaGileyadi namadlelo alo, neMahanayimi namadlelo alo,
[81]neHeshiboni namadlelo alo, neJazeri namadlelo alo.

1 iziKronike 7

Isizwe sakwa-Isakare, nesakwaBenjamini, nesakwaNafetali, nesakwaManase, nesakwa-Efrayimi, nesakwa-Asheri

[1] Amadodana ka-Isakare: ngoThola, noPhuwa, noJashubi, noShimroni, bebane.
[2]Amadodana kaThola: ngo-Uzi, noRefaya, noJeriyeli, noJahemayi, no-Ibisamu, noShemuweli, izinhloko zezindlu zawoyise, abakwaThola, amaqhawe anamandla ngezizukulwane zawo; umumo wawo ngezinsuku zikaDavide wawuyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili namakhulu ayisithupha.
[3]Amadodana ka-Uzi: nguJizirahiya; amadodana kaJizirahiya: ngoMikayeli, no-Obadiya, noJoweli, noJishiya, beyisihlanu, beyizinhloko bonke.
[4]Kanye nawo kwakukhona ngezizukulwane zawo ngezindlu zawoyise amaviyo empi yokulwa,

e seis mil homens; pois tinham muitas mulheres e filhos.

[5] Seus irmãos, em todas as famílias de Issacar, homens valentes, foram oitenta e sete mil, todos registrados pelas suas genealogias.

Descendentes de Benjamim

[6] Os filhos de Benjamim: Bela, Bequer e Jediael; três ao todo.

[7] Os filhos de Bela: Esbom, Uzi, Uziel, Jerimote e Iri; cinco ao todo; chefes das suas famílias, homens valentes, foram vinte e dois mil e trinta e quatro, registrados pelas suas genealogias.

[8] Os filhos de Bequer: Zemira, Joás, Eliézer, Elioenai, Onri, Jerimote, Abias, Anatote e Alemete; todos filhos de Bequer.

[9] O número deles, registrados pelas suas genealogias, segundo as suas gerações, chefes das suas famílias, homens valentes, vinte mil e duzentos.

[10] O filho de Jediael: Bilã; os filhos de Bilã: Jeús, Benjamim, Eúde, Quenaana, Zetã, Társis e Aisaar.

[11] Todos estes, filhos de Jediael, foram chefes das suas famílias, homens valentes, dezessete mil e duzentos, capazes de sair à guerra.

abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesithupha, ngokuba babe nabafazi abaningi namadodana amaningi.

[5]Abafowabo kuyo yonke imindeni ka-Isakare, amaqhawe anamandla, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa, bebhalwe bonke ngezizukulwane zabo.

[6] Amadodana kaBenjamini: ngoBela, noBekeri, noJediyayeli, bebathathu.

[7]Amadodana kaBela: ngo-Esiboni, no-Uzi, no-Uziyeli, noJerimoti, no-Iri, beyisihlanu, izinhloko zezindlu zawoyise, amaqhawe anamandla, beyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili namashumi amathathu nane, bebhalwe ngezizukulwane zabo.

[8]Amadodana kaBekeri: ngoZemira, noJowashi, no-Eliyezeri, no-Eliyohenayi, no-Omri, noJeremoti, no-Abiya, no-Anathoti, no-Alemeti. Bonke labo babe ngamadodana kaBekeri.

[9]Babhalwa ngezizukulwane zabo, beyizinhloko zezindlu zawoyise, amaqhawe anamandla, beyizinkulungwane ezingamashumi amabili namakhulu amabili.

[10]Amadodana kaJediyayeli: nguBilihani; amadodana kaBilihani: ngoJewushe, noBenjamini, no-Ehudi, noKhenahana, noZethani, noTharishishi, no-Ahishahari.

[11]Bonke labo babe ngamadodana kaJediyayeli ngezinhloko zezindlu zawoyise, amaqhawe anamandla, beyizinkulungwane eziyishumi

nesikhombisa namakhulu amabili abangaphuma impi ukuyokulwa.

[12] Supim e Hupim eram filhos de Ir; e Husim, filho de Aer.

[12] OShuphimi noHuphimi babe ngamadodana ka-Iri; uHushimi wayeyindodana ka-Aheri.

[13] Os filhos de Naftali: Jaziel, Guni, Jezer e Salum, filhos de Bila.

[13] Amadodana kaNafetali: ngoJasiyeli, noGuni, noJeseri, noShalumi, amadodana kaBiliha.

Descendentes de Manassés

[14] O filho de Manassés: Asriel, de sua concubina síria, que também deu à luz a Maquir, pai de Gileade.

[14]Amadodana kaManase: ngu-Asiriyeli owamzalelayo umkakhe; isancinza sakhe umAramukazi sazala uMakiri uyise kaGileyadi.

[15] Maquir tomou a irmã de Hupim e Supim por mulher. O nome dela era Maaca; o nome do irmão de Maquir era Zelofeade, o qual teve só filhas.

[15] UMakiri wathathela oHuphimi noShuphimi abafazi; igama likadadewabo lalinguMahakha. Igama lowesibili lalinguSelofehadi; uSelofehadi wayenamadodakazi.

[16] Maaca, mulher de Maquir, teve um filho, a quem chamou Perez; irmão deste foi Seres. Os filhos de Perez foram Ulão e Requém.

[16]UMahakha umkaMakiri wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uPhereshi; igama lomfowabo lalinguShereshi; amadodana akhe ayengo-Ulamu noRakemi.

[17] O filho de Ulão: Bedã. Tais foram os filhos de Gileade, filho de Maquir, filho de Manassés.

[17]Amadodana ka-Ulamu: nguBedani. Labo babe ngamadodana kaGileyadi kaMakiri kaManase.

[18] Sua irmã Hamolequete deu à luz a Isode, a Abiezer e a Macla.

[18]Udadewabo uHamoleketi wazala o-Ishihodi, no-Abiyezeri, noMahela.

[19] Foram os filhos de Semida: Aiã, Siquém, Liqui e Anião.

[19]Amadodana kaShemida ayengo-Ahiyani, noShekemi, noLikihi, no-Aniyamu.

Descendentes de Efraim

[20] Era filho de Efraim Sutela, de quem foi filho Berede, de quem foi filho Taate, de quem foi filho Eleada, de quem foi filho Taate,

[20] Amadodana ka-Efrayimi: ngoShuthela, noBeredi indodana yakhe, noTahati indodana yakhe, no-Eleyada indodana yakhe, noTahati indodana yakhe,

[21] de quem foi filho Zabade, de quem foi filho Sutela; e ainda Ézer e Eleade, mortos pelos homens de Gate, naturais da terra, pois eles desceram para roubar o gado destes.

[22] Pelo que por muitos dias os chorou Efraim, seu pai, cujos irmãos vieram para o consolar.

[23] Depois, coabitou com sua mulher, e ela concebeu e teve um filho, a quem ele chamou Berias, porque as coisas iam mal na sua casa.

[24] Sua filha foi Seerá, que edificou a Bete-Horom, a de baixo e a de cima, como também a Uzém-Seerá.

[25] O filho de Berias foi Refa, de quem foi filho Resefe, de quem foi filho Tela, de quem foi filho Taã,

[26] de quem foi filho Ladã, de quem foi filho Amiúde, de quem foi filho Elisama,

[27] de quem foi filho Num, de quem foi filho Josué.

[28] A possessão e habitação deles foram: Betel e as suas aldeias; ao oriente, Naarã; e, ao ocidente, Gezer e suas aldeias, Siquém e suas aldeias, até Aia e suas aldeias;

[29] do lado dos filhos de Manassés, Bete-Seã e suas aldeias, Taanaque e suas aldeias, Megido e suas aldeias, Dor e suas aldeias; nestas, habitaram os filhos de José, filho de Israel.

[21]noZabadi indodana yakhe, noShuthela indodana yakhe, no-Ezeri no-Eleyadi ababulawa ngabantu baseGati ababezelwe kulelo zwe, ngokuba behla ukuthatha izinkomo zabo.

[22]U-Efrayimi uyise walila izinsuku eziningi; abafowabo beza ukumduduza.

[23]Wangena kumkakhe; wamitha, wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uBeriya, ngokuba indlu yakhe yayisengozini.

[24]Indodakazi yakhe yayinguSheyera owakha iBeti Horoni laseNzansi nelaseNhla, ne-Uzeni Sheyera.

[25]URefa wayeyindodana yakhe, noReshefi, noThela indodana yakhe, noThahani indodana yakhe,

[26] noLadani indodana yakhe, no-Amihudi indodana yakhe, no-Elishama indodana yakhe,

[27] noNuni indodana yakhe, noJoshuwa indodana yakhe.

[28]Ifa labo nezindawo zabo zokuhlala kwakuyiBethele nemizana yalo, nangasempumalanga iNaharani, nangasentshonalanga iGezeri nemizana yalo, neShekemi nemizana yalo, kwaze kwaba se-Aya nemizana yalo;

[29] nangasemikhawulweni yabantwana bakwaManase iBeti Sheyani nemizana yalo, neThahanaki nemizana yalo, neMegido nemizana yalo, neDori nemizana yalo. Kuleyo kwahlala

abantwana bakaJosefa indodana ka-Israyeli.

Descendentes de Aser

[30] Os filhos de Aser: Imna, Isvá, Isvi e Berias e Sera, irmã deles.

[30] Amadodana ka-Asheri: ngoJimna, no-Ishiva, no-Ishivi, noBeriya, kanye noSera udadewabo.

[31] Os filhos de Berias: Héber e Malquiel; este foi o pai de Birzavite.

[31]Amadodana kaBeriya: ngoHebere noMalikiyeli owayenguyise kaBirizayiti.

[32] Héber gerou a Jaflete, a Somer, a Hotão e a Suá, irmã deles.

[32]UHebere wazala oJafeleti, noShomeri, noHothamu, noShuwa udadewabo.

[33] Os filhos de Jaflete: Pasaque, Bimal e Asvate; estes foram os filhos de Jaflete.

[33]Amadodana kaJafeleti: ngoPhasaki, noBimihali, no-Ashivati. Labo babe ngabantwana bakaJafeleti.

[34] Os filhos de Semer: Aí, Roga, Jeubá e Arã.

[34]Amadodana kaShemeri: ngo-Ahi, noRohiga, noJehuba, no-Aramu.

[35] Os filhos de seu irmão Helém: Zofa, Imna, Seles e Amal.

[35]Amadodana kaHelemi umfowabo: ngoSofa, noJimna, noSheleshi, no-Amali.

[36] Os filhos de Zofa: Sua, Harnefer, Sual, Beri, Inra,

[36]Amadodana kaSofa: ngoShuwa, noHarineferi, noShuhali, noBeri, no-Imra,

[37] Bezer, Hode, Sama, Silsa, Itrã e Beera.

[37]noBeseri, noHodi, noShama, noShilisha, noJitrani, noBeyera.

[38] Os filhos de Jéter: Jefoné, Pispa e Ara.

[38]Amadodana kaJetheri: ngoJefune, noPhisipha, no-Ara.

[39] Os filhos de Ula: Ara, Haniel e Rizia.

[39]Amadodana ka-Ula: ngo-Ara, noHaniyeli, noRisiya.

[40] Todos estes foram filhos de Aser, chefes das famílias, escolhidos, homens valentes, chefes de príncipes, registrados nas suas genealogias para o serviço na guerra; seu número foi de vinte e seis mil homens.

[40]Bonke labo babe ngabantwana baka-Asheri, izinhloko zezindlu zawoyise, amaqhawe akhethekileyo anamandla, izinhloko zezikhulu. Umumo wabo ubhalwe ngezizukulwane zabo ukuba balwe empini wawungabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesithupha.

1 Crônicas 8

Descendentes de Benjamim

1 iziKronike 8

Umndeni kaSawule wesizwe sakwaBenjamini

[1] Benjamim gerou a Bela, seu primogênito, a Asbel, o segundo, a Aará, o terceiro,

[2] a Noá, o quarto, e a Rafa, o quinto.

[3] Bela teve estes filhos: Adar, Gera, Abiúde,

[4] Abisua, Naamã, Aoá,

[5] Gera, Sefufá e Hurão.

[6] Estes foram os filhos de Eúde, que foram chefes das famílias dos moradores de Geba e transportados para o exílio a Manaate:

[7] Naamã, Aías e Gera; este os transportou e gerou a Uzá e a Aiúde.

[8] Saaraim, depois de ter repudiado suas mulheres Husim e Baara, gerou nos campos de Moabe,

[9] de Hodes, sua mulher, a Jobabe, a Zíbia, a Messa, a Malcã,

[10] a Jeús, a Saquias e a Mirma; foram estes os seus filhos, chefes das famílias.

[11] Husim gerou a Abitube e a Elpaal.

[12] Os filhos de Elpaal foram: Héber, Misã e Semede; este edificou a Ono e a Lode e suas aldeias.

[13] Berias e Sema foram cabeças das famílias dos moradores de Aijalom, que afugentaram os moradores de Gate.

[14] Aiô, Sasaque, Jeremote,

[15] Zebadias, Arade, Éder,

[16] Micael, Ispa e Joá foram filhos de Berias.

[17] Zebadias, Mesulão, Hizqui, Héber,

[1] UBenjamini wazala uBela izibulo lakhe, no-Ashibeli owesibili, no-Ahara owesithathu,

[2]noNoha owesine, noRafa owesihlanu.

[3]UBela wayenamadodana: ngo-Adari, noGera, no-Abihudi,

[4]no-Abishuwa, noNahamani, no-Ahowa,

[5]noGera, noShefufani, noHuramu.

[6]Nanka amadodana ka-Ehudi, izinhloko zezindlu zawoyise zabakhe eGeba, ezathunjelwa eManahati,

[7]zathunjwa ngoNahamani, no-Ahiya, noGera owazala o-Uza no-Ahihudi.

[8]UShaharayimi wazala abantwana ezweni lakwaMowabi esemukisile oHushimi noBahara omkakhe.

[9]Wazala kuHodeshi umkakhe oJobabi, noSibiya, noMesha, noMalikamu,

[10]noJewuse, noShakiya, noMirima. Labo babe ngamadodana akhe, izinhloko zezindlu zawoyise.

[11]Wazala kuHushimi o-Abithubi no-Eliphahali.

[12]Amadodana ka-Eliphahali: ngo-Ebere, noMishamu, noShemedi, abakha i-Ono neLodi nemizana yawo,

[13]noBeriya, noShema, ababe yizinhloko zezindlu zawoyise zabakhe e-Ajaloni, abaxosha abakhe eGati;

[14]no-Ahiyo, noShashaki, noJeremoti,

[15]noZebadiya, no-Aradi, no-Edere,

[16]noMikayeli, noJishipha, noJoha, amadodana kaBeriya,

[17]noZebadiya, noMeshulamu, noHiziki, noHebere,

18 Ismerai, Izlias e Jobabe, filhos de Elpaal.

19 Jaquim, Zicri, Zabdi,

20 Elienai, Ziletai, Eliel,

21 Adaías, Beraías e Sinrate, filhos de Simei.

22 Ispã, Héber, Eliel,

23 Abdom, Zicri, Hanã,

24 Hananias, Elão, Antotias,

25 Ifdéias e Penuel, filhos de Sasaque.

26 Sanserai, Searias, Atalias,

27 Jaaresias, Elias e Zicri, filhos de Jeroão.

28 Estes foram chefes das famílias, segundo as suas gerações, e habitaram em Jerusalém.

29 Em Gibeão habitou o pai de Gibeão, cuja mulher se chamava Maaca,

30 e também seu filho primogênito Abdom e ainda Zur, Quis, Baal, Nadabe,

31 Gedor, Aiô e Zequer.

32 Miclote gerou a Siméia. Estes habitaram em Jerusalém, com seus irmãos, bem defronte deles.

33 Ner gerou a Quis; e Quis gerou a Saul; Saul gerou a Jônatas, a Malquisua, a Abinadabe e a Esbaal.

34 Filho de Jônatas foi Meribe-Baal, e Meribe-Baal gerou a Mica.

35 Os filhos de Mica foram: Pitom, Meleque, Taréia e Acaz.

18 no-Ishmerayi, noJiziliya, noJobabi, amadodana ka-Eliphahali,

19 noJakimi, noZikiri, noZabidi,

20 no-Eliyenayi, noSilethayi, no-Eliyeli,

21 no-Adaya, noBeraya, noShimrati, amadodana kaShimeyi,

22 noJishiphani, no-Ebere, no-Eliyeli,

23 no-Abidoni, noZikiri, noHanani,

24 noHananiya, no-Elamu, no-Anithothiya,

25 no-Ifideya, noPhenuweli, amadodana kaShashaki,

26 noShamusherayi, noSheharíya, no-Athaliya,

27 noJahareshiya, no-Eliya, noZikiri, amadodana kaJerohamu.

28 Labo babe yizinhloko zezindlu zawoyise, izinhloko ezizukulwaneni zabo, bahlala eJerusalema.

29 EGibeyoni kwahlala uyise kaGibeyoni ogama lomkakhe lalinguMahakha;

30 izibulo lakhe lalingu-Abidoni, kanye noSuri, noKishi, noBali, noNadabi,

31 noGedori, no-Ahiyo, noZekeri.

32 Kepha uMikiloti wazala uShimeya. Nabo bahlala nabafowabo eJerusalema malungana nabafowabo.

33 UNeri wazala uKishi; uKishi wazala uSawule; uSawule wazala oJonathani, noMaliki Shuwa, no-Abinadaba, no-Eshi Bali.

34 Indodana kaJonathani yayinguMeribi Bali; uMeribi Bali wazala uMika.

35 Amadodana kaMika: ngoPhithoni, noMeleki, noThareya, no-Ahazi.

[36] Acaz gerou a Jeoada; Jeoada gerou a Alemete, a Azmavete e a Zinri; e Zinri gerou a Mosa.

[36]U-Ahazi wazala uJehohada; uJehohada wazala o-Alemeti, no-Azimaveti, noZimri; uZimri wazala uMosa;

[37] Mosa gerou a Bineá, de quem foi filho Rafa, de quem foi filho Eleasa, de quem foi filho Azel.

[37]uMosa wazala uBineya; uRafa wayeyindodana yakhe; ngu-Eleyasa indodana yakhe, ngu-Aseli indodana yakhe;

[38] Teve Azel seis filhos, cujos nomes foram: Azricão, Bocru, Ismael, Searias, Obadias e Hanã; todos estes foram filhos de Azel.

[38]u-Aseli wayenamadodana ayisithupha; amagama awo yilawa: o-Azirikamu, noBokeru, no-Ishmayeli, noSheharíya, no-Obadiya, noHanani. Bonke labo babe ngamadodana ka-Aseli.

[39] Os filhos de Eseque, seu irmão, foram: Ulão, seu primogênito, Jeús, o segundo, e Elifelete, o terceiro.

[39]Amadodana ka-Esheki umfowabo: ngu-Ulamu izibulo lakhe, noJewushe owesibili, no-Elifeleti owesithathu.

[40] Os filhos de Ulão foram homens valentes, flecheiros; e tiveram muitos filhos e netos: cento e cinqüenta. Todos estes foram dos filhos de Benjamim.

[40] Amadodana ka-Ulamu ayengamaqhawe anamandla, ansala umnsalo; ayenamadodana amaningi namadodana amadodana amaningi, eyikhulu namashumi ayisihlanu. Labo babe ngamadodana kaBenjamini.

1 Crônicas 9

Habitantes de Jerusalém depois do cativeiro

[1] Todo o Israel foi registrado por genealogias e inscrito no Livro dos Reis de Israel, e Judá foi levado para o exílio à Babilônia, por causa da sua transgressão.

1 iziKronike 9

Abakhileyo eJerusalema; inkonzo yasethempelini

[1] Wabhalwa-ke wonke u-Israyeli ngezizukulwane; bheka, balotshiwe encwadini yamakhosi akwa-Israyeli; uJuda wathunjelwa eBabele ngeziphambeko zakhe.

[2] Os primeiros habitadores, que de novo vieram morar nas suas próprias possessões e nas suas cidades, foram os israelitas, os sacerdotes, os levitas e os servos do templo.

[2]Abakhileyo kuqala emafeni abo emizini yabo babe ngu-Israyeli, nabapristi, namaLevi, namaNethini.

[3] Porém alguns dos filhos de Judá, dos filhos de Benjamim e dos filhos de Efraim e Manassés habitaram em Jerusalém:

[4] Utai, filho de Amiúde, filho de Onri, filho de Inri, filho de Bani, dos filhos de Perez, filho de Judá;

[5] dos silonitas: Asaías, o primogênito, e seus filhos;

[6] dos filhos de Zerá: Jeuel e seus irmãos; seiscentos e noventa ao todo;

[7] dos filhos de Benjamim: Salu, filho de Mesulão, filho de Hodavias, filho de Hassenuá;

[8] Ibnéias, filho de Jeroão, e Elá, filho de Uzi, filho de Micri, e Mesulão, filho de Sefatias, filho de Reuel, filho de Ibnijas;

[9] e seus irmãos, segundo as suas gerações; novecentos e cinqüenta e seis ao todo; todos estes homens foram cabeças de famílias nas casas de suas famílias.

[10] Dos sacerdotes: Jedaías, Jeoiaribe, Jaquim,

[11] Azarias, filho de Hilquias, filho de Mesulão, filho de Zadoque, filho de Meraiote, filho de Aitube, príncipe da Casa de Deus;

[12] Adaías, filho de Jeroão, filho de Pasur, filho de Malquias, e Masai, filho de Adiel, filho de Jazera, filho de Mesulão, filho de Mesilemite, filho de Imer,

[13] como também seus irmãos, cabeças das suas famílias; mil setecentos e sessenta ao

[3] EJerusalema kwahlala kubantwana bakwaJuda, nakubantwana bakwaBenjamini, nakubantwana bakwa-Efrayimi noManase:

[4]ngu-Uthayi ka-Amihudi ka-Omri ka-Imri kaBani kubantwana bakwaPheresi kaJuda.

[5]KumaShiloni: ngu-Asaya izibulo namadodana akhe.

[6]Kumadodana kaZera: nguJehuweli nabafowabo, bengamakhulu ayisithupha namashumi ayisishiyagalolunye.

[7]Kumadodana kaBenjamini: nguSalu kaMeshulamu kaHodaviya kaHasenuwa,

[8]no-Ibineya indodana kaJerohamu, no-Ela ka-Uzi kaMikiri, noMeshulamu kaShefathiya kaRehuweli kaJibiniya,

[9]nabafowabo ngezizukulwane zabo, bengamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisihlanu nesithupha. Bonke labo bantu babe yizinhloko zezindlu zawoyise ngokwezindlu zawoyise.

[10] Kubapristi: ngoJedaya, noJehoyaribi, noJakini,

[11] no-Azariya kaHilikiya kaMeshulamu kaSadoki kaMerayoti ka-Ahithubi, umphathi wendlu kaNkulunkulu,

[12]no-Adaya kaJerohamu kaPhashuri kaMalikhiya noMahasayi ka-Adiyeli kaJahizera kaMeshulamu kaMeshilemiti ka-Imeri,

[13]nabafowabo, izinhloko zezindlu zawoyise, beyinkulungwane namakhulu

todo, homens capazes para a obra do ministério da Casa de Deus.

[14] Dos levitas: Semaías, filho de Hassube, filho de Azricão, filho de Hasabias, dos filhos de Merari;

[15] Baquebacar, Heres, Galal e Matanias, filho de Mica, filho de Zicri, filho de Asafe;

[16] Obadias, filho de Semaías, filho de Galal, filho de Jedutum; Berequias, filho de Asa, filho de Elcana, morador das aldeias dos netofatitas.

[17] Os porteiros: Salum, Acube, Talmom e Aimã e os irmãos deles; Salum era o chefe.

[18] Estavam até agora de guarda à porta do rei, do lado do oriente; tais foram os porteiros dos arraiais dos filhos de Levi.

[19] Salum, filho de Coré, filho de Ebiasafe, filho de Corá, e seus irmãos da casa de seu pai, os coreítas, estavam encarregados da obra do ministério e eram guardas das portas do tabernáculo; e seus pais tinham sido encarregados do arraial do SENHOR e eram guardas da entrada.

[20] Finéias, filho de Eleazar, os regia nesse tempo, e o SENHOR era com ele.

[21] Zacarias, filho de Meselemias, era o porteiro da entrada da tenda da congregação.

[22] Todos estes, escolhidos para guardas das portas, foram duzentos e doze. Estes foram registrados pelas suas genealogias nas suas

ayisikhombisa namashumi ayisithupha, amadoda ahlakaniphile emsebenzini wenkonzo yasendlini kaNkulunkulu.

[14]KumaLevi: nguShemaya kaHashubi ka-Azirikamu kaHashabiya kumadodana kaMerari,

[15]noBakibakari, noHereshi, noGalali, noMathaniya kaMika kaZikiri ka-Asafa,

[16]no-Obadiya kaShemaya kaGalali kaJeduthuni, noBerekiya ka-Asa ka-Elkana owahlala emizaneni yamaNethofa,

[17]nabalindisango oShalumi, no-Akubi, noThalimoni, no-Ahimani, nabafowabo; uShalumi wayeyinhloko.

[18]Kwaze kwaba kuleso sikhathi babe sesangweni lenkosi ngasempumalanga; babe ngabalindisango bekamu labantwana bakwaLevi.

[19]UShalumi kaKore ka-Ebiyasafa kaKora, nabafowabo bendlu kayise, amaKorahi, babephethe umsebenzi wenkonzo, bengabalindisango etabernakele; oyise babemele ikamu likaJehova bengabalindisango.

[20]UFinehasi indodana ka-Eleyazare wayengumbusi phezu kwabo ngesikhathi esidlulileyo. UJehova wayenaye.

[21]UZakariya indodana kaMeshelemiya wayengumlindisango etendeni lokuhlangana.

[22] Bonke labo ababekhethiwe ukuba babe ngabalindisango babe ngamakhulu amabili neshumi nambili. Babhalwa

respectivas aldeias; e Davi e Samuel, o vidente, os constituíram cada um no seu cargo.

[23] Guardavam, pois, eles e seus filhos as portas da Casa do SENHOR, na casa da tenda.

[24] Os porteiros estavam aos quatro ventos: ao oriente, ao ocidente, ao norte e ao sul.

[25] Seus irmãos, que habitavam nas suas aldeias, tinham de vir, de tempo em tempo, para servir com eles durante sete dias;

[26] porque havia sempre, naquele ofício, quatro porteiros principais, que eram levitas, e tinham a seu cargo as câmaras e os tesouros da Casa de Deus.

[27] Estavam alojados à roda da Casa de Deus, porque a vigilância lhes estava encarregada, e tinham o dever de a abrir, todas as manhãs.

[28] Alguns deles estavam encarregados dos utensílios do ministério, porque estes eram contados quando eram trazidos e quando eram tirados.

[29] Outros havia que estavam encarregados dos móveis e de todos os objetos do santuário, como também da flor de farinha, do vinho, do azeite, do incenso e da especiaria.

[30] Alguns dos filhos dos sacerdotes confeccionavam as especiarias.

ngezizukulwane emizaneni yabo, bamiswa ngoDavide noSamuweli umboni ezikhundleni zabo.

[23]Bona nabantwana babo babephethe amasango endlu kaJehova, indlu yetende, belinda.

[24]Abalindi babekhona ezinhlangothini ezine: ngasempumalanga, nangasentshonalanga, nangasenyakatho, nangaseningizimu.

[25]Abafowabo emizaneni yabo babeyakungena emva kwezinsuku eziyisikhombisa njalo izikhathi ngezikhathi ukuba babe nabo,

[26]ngokuba abalindi abane abakhulu ababe ngamaLevi babe sesikhundleni njalo, bephethe amakamelo nengcebo endlini kaNkulunkulu.

[27]Bahlala ebusuku bezungeza indlu kaNkulunkulu, ngokuba kwakungokwabo ukuyilinda, kwakungokwabo futhi ukuyivula ekuseni imihla ngemihla.

[28]Abanye babephethe izitsha zenkonzo, ngokuba zangeniswa ngokubalwa, zakhishwa ngokubalwa.

[29]Abanye kubo babemiselwe impahla, nezitsha zonke zendlu engcwele, nempuphu, newayini, namafutha, nenhlaka, namakha.

[30] Abanye bamadodana abapristi bagxoba amakha aba ngamafutha.

31 Matitias, dentre os levitas, o primogênito de Salum, o coreíta, tinha o cargo do que se fazia em assadeiras.

31UMatithiya, omunye wamaLevi, owayeyizibulo likaShalumi umKorahi wayenesikhundla sokubheka izinto ezenziwa amakhanzini.

32 Outros dos seus irmãos, dos filhos dos coatitas, tinham o encargo de preparar os pães da proposição para todos os sábados.

32Abanye abafowabo bamadodana amaKohati babephethe izinkwa zokubukwa ukuba bazilungise onke amasabatha.

33 Quanto aos cantores, cabeças das famílias entre os levitas, estavam alojados nas câmaras do templo e eram isentos de outros serviços; porque, de dia e de noite, estavam ocupados no seu mister.

33Kepha abanye, abahlabeleli, izinhloko zezindlu zawoyise zamaLevi, babe semakamelweni bekhululekile kokunye, ngokuba babe semsebenzini wabo imini nobusuku.

34 Estes foram cabeças das famílias entre os levitas, chefes em suas gerações, e habitavam em Jerusalém.

34Labo babe yizinhloko zezindlu zawoyise bamaLevi, izinhloko ezizukulwaneni zabo, bahlala eJerusalema.

35 Em Gibeão habitou Jeiel, pai de Gibeão, cuja mulher se chamava Maaca;

35 EGibeyoni kwahlala uyise kaGibeyoni uJehiyeli ogama lomkakhe lalinguMahakha,

36 e também seu filho primogênito Abdom e ainda Zur, Quis, Baal, Ner, Nadabe,

36nendodana yakhe eyizibulo u-Abidoni, kanye noSuri, noKishi, noBali, noNeri, noNadabi,

37 Gedor, Aiô, Zacarias e Miclote.

37noGedori, no-Ahiyo, noZakariya, noMikiloti.

38 Miclote gerou a Siméia. Estes habitaram em Jerusalém, com seus irmãos, bem defronte deles.

38UMikiloti wazala uShimeyamu. Nabo bahlala nabafowabo eJerusalema malungana nabafowabo.

39 Ner gerou a Quis; e Quis gerou a Saul, Saul gerou a Jônatas, a Malquisua, a Abinadabe e a Esbaal.

39 UNeri wazala uKishi; uKishi wazala uSawule; uSawule wazala oJonathani, noMaliki Shuwa, no-Abinadaba, no-Eshi Bali.

40 Filho de Jônatas foi Meribe-Baal, e Meribe-Baal gerou a Mica.

40Indodana kaJonathani yayinguMeribi Bali; uMeribi Bali wazala uMika.

41 Os filhos de Mica foram: Pitom, Meleque e Taréia.

41Amadodana kaMika: ngoPhithoni, noMeleki, noThareya, no-Ahazi.

[42] Acaz gerou a Jaerá, e Jaerá gerou a Alemete, a Azmavete e a Zinri; e Zinri gerou a Mosa.

[43] Mosa gerou a Bineá, de quem foi filho Refaías, de quem foi filho Eleasa, de quem foi filho Azel.

[44] Teve Azel seis filhos, cujos nomes foram Azricão, Bocru, Ismael, Searias, Obadias e Hanã; todos estes foram filhos de Azel.

[42]U-Ahazi wazala uJara; uJara wazala o-Alemeti, no-Azimaveti, noZimri; uZimri wazala uMosa;

[43]uMosa wazala uBineya; uRefaya wayeyindodana yakhe; ngu-Eleyasa indodana yakhe, ngu-Aseli indodana yakhe;

[44]u-Aseli wayenamadodana ayisithupha; amagama awo yilawa: o-Azirikamu, noBokeru, no-Ishmayeli, noShehariya, no-Obadiya, noHanani; labo babe ngamadodana ka-Aseli.

1 Crônicas 10

A derrota de Israel e a morte de Saul

1 Samuel 31.1-7

[1] Os filisteus pelejaram contra Israel; e, tendo os homens de Israel fugido de diante dos filisteus, caíram mortos no monte Gilboa.

[2] Os filisteus perseguiram Saul e seus filhos e mataram Jônatas, Abinadabe e Malquisua, filhos de Saul.

[3] Agravou-se muito a peleja contra Saul, os flecheiros o avistaram, e ele muito os temeu.

[4] Então, disse Saul ao seu escudeiro: Arranca a tua espada e atravessa-me com ela, para que, porventura, não venham estes incircuncisos e escarneçam de mim. Porém o seu escudeiro não o quis, porque temia muito; então, Saul tomou a espada e se lançou sobre ela.

1 iziKronike 10

Ukufa kukaSawule nokwamadodana akhe amathathu ekulweni namaFilisti

[1] AmaFilisti alwa no-Israyeli; abantu bakwa-Israyeli babaleka phambi kwamaFilisti, bawa begwaziwe entabeni yaseGilibowa.

[2]AmaFilisti axosha uSawule namadodana akhe; amaFilisti abulala oJonathani, no-Abinadaba, noMaliki Shuwa, amadodana kaSawule.

[3]Impi yaba nzima kuSawule; abacibishelayo bamfica; wakhathazeka ngenxa yabacibishelayo.

[4]USawule wayesethi odibini lwezikhali zakhe: Hosha inkemba yakho, ungigwaze ngayo, funa labo abangasokile bafike, bangone. Kepha aluvumanga udibi lwezikhali zakhe, ngokuba lwesaba kakhulu. Ngalokho uSawule wayithatha inkemba, wawela phezu kwayo.

[5] Vendo, pois, o seu escudeiro que Saul já era morto, também ele se lançou sobre a espada e morreu com ele.
[6] Assim, morreram Saul e seus três filhos; e toda a sua casa pereceu juntamente com ele.
[7] Vendo os homens de Israel que estavam no vale que os homens de Israel fugiram e que Saul e seus filhos estavam mortos, desampararam as cidades e fugiram; e vieram os filisteus e habitaram nelas.

A sepultura de Saul

1 Samuel 31.8-13

[8] Sucedeu, pois, que, vindo os filisteus ao outro dia a despojar os mortos, acharam Saul e os seus filhos caídos no monte Gilboa.
[9] E os despojaram, tomaram a sua cabeça e as suas armas e enviaram mensageiros pela terra dos filisteus, em redor, a levar as boas-novas a seus ídolos e entre o povo.
[10] Puseram as armas de Saul no templo de seu deus, e a sua cabeça afixaram na casa de Dagom.
[11] Ouvindo, pois, toda a Jabes de Gileade tudo quanto os filisteus fizeram a Saul,
[12] então, todos os homens valentes se levantaram, e tomaram o corpo de Saul e os corpos dos filhos, e os trouxeram a Jabes; e sepultaram os seus ossos debaixo de um arvoredo, em Jabes, e jejuaram sete dias.
[13] Assim, morreu Saul por causa da sua transgressão cometida contra o SENHOR, por causa da palavra do SENHOR, que ele

[5]Udibi lwezikhali zakhe selubonile ukuthi uSawule ufile, lwawela nalo phezu kwenkemba, lwafa.
[6]Wafa-ke uSawule namadodana akhe amathathu; nendlu yakhe yonke yafa kanyekanye.
[7]Lapho bonke abantu bakwa-Israyeli ababe sesigodini bebona ukuthi babaleka nokuthi uSawule namadodana akhe bafile, bashiya imizi yabo, babaleka; amaFilisti afika, ahlala kuyo.
[8]Kwathi ngangomuso, lapho amaFilisti efika ukuphanga ababuleweyo, afumana uSawule namadodana akhe bewile entabeni yaseGilibowa.
[9]Amphanga, athatha ikhanda lakhe nezikhali zakhe, akuthuma ezweni lamaFilisti nxazonke ukukumemezela kuzo izithombe zawo nakubantu.
[10]Azibeka izikhali zakhe endlini yawonkulunkulu bawo, abethela ikhanda lakhe endlini kaDagoni.
[11]Selizwile iJabeshi Gileyadi konke amaFilisti ayekwenzile kuSawule,
[12]kwasuka onke amadoda anamandla, asithatha isidumbu sikaSawule nezidumbu zamadodana akhe, aziletha eJabeshi, awembela amathambo abo phansi kwe-oki eJabeshi, azila ukudla izinsuku eziyisikhombisa.
[13] Wafa kanjalo-ke uSawule ngesiphambeko sakhe aphambuka ngaso kuJehova ngenxa yezwi likaJehova

não guardara; e também porque interrogara e consultara uma necromante [14] e não ao SENHOR, que, por isso, o matou e transferiu o reino a Davi, filho de Jessé.

1 Crônicas 11

Davi é ungido rei

2 Samuel 5.1-5

[1] Então, todo o Israel se ajuntou a Davi, em Hebrom, dizendo: Somos do mesmo povo de que tu és.

[2] Outrora, sendo Saul ainda rei, eras tu que fazias saídas e entradas militares com Israel; também o SENHOR, teu Deus, te disse: Tu apascentarás o meu povo de Israel, serás chefe sobre o meu povo de Israel.

[3] Assim, pois, todos os anciãos de Israel vieram ter com o rei em Hebrom; e Davi fez com eles aliança em Hebrom, perante o SENHOR. Ungiram Davi rei sobre Israel, segundo a palavra do SENHOR por intermédio de Samuel.

Davi conquista a Sião

2 Samuel 5.6-10

[4] Partiu Davi e todo o Israel para Jerusalém, que é Jebus, porque ali estavam os jebuseus que habitavam naquela terra.

[5] Disseram os moradores de Jebus a Davi: Tu não entrarás aqui. Porém Davi tomou a fortaleza de Sião; esta é a Cidade de Davi.

[6] Porque disse Davi: Qualquer que primeiro ferir os jebuseus será chefe e

angaligcinanga nangokuba kade eyile ukubhula konedlozi ukuba abuze kuye, [14]engabuzanga kuJehova; ngalokho-ke wambulala, wabuyisela umbuso kuDavide indodana kaJese.

1 iziKronike 11

UDavide uyinkosi kwa-Israyeli wonke; uthatha iJerusalema

[1] Wonke u-Israyeli wabuthana kuDavide, wathi: Bheka, thina siyithambo lakho nenyama yakho.

[2] Nangesikhathi esidlulileyo uSawule eseyinkosi, nguwe owakhipha nowangenisa u-Israyeli; uJehova uNkulunkulu wakho wathi kuwe: Wena uyakwalusa abantu bami u-Israyeli, wena uyakuba ngumbusi wabantu bami u-Israyeli.

[3] Kwase kufika onke amalunga akwa-Israyeli enkosini eHebroni; uDavide wenza isivumelwano nawo eHebroni phambi kukaJehova; amgcoba uDavide ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli njengezwi likaJehova ngesandla sikaSamuweli.

[4] UDavide naye wonke u-Israyeli baya eJerusalema eliyiJebusi; amaJebusi ayakhe kulelo zwe ayeselapho.

[5]Abakhileyo eJebusi bathi kuDavide: Awuyikungena lapha. UDavide wathatha nokho inqaba yaseSiyoni engumuzi kaDavide.

[6]UDavide wathi: Lowo ochitha amaJebusi kuqala uyakuba yinhloko nenduna.

comandante. Então, Joabe, filho de Zeruia, subiu primeiro e foi feito chefe.

[7] Assim, habitou Davi na fortaleza, pelo que se chamou a Cidade de Davi.

[8] E foi edificando a cidade em redor, desde Milo, completando o circuito; e Joabe renovou o resto da cidade.

[9] Ia Davi crescendo em poder cada vez mais, porque o SENHOR dos Exércitos era com ele.

Os valentes de Davi

2 Samuel 23.8-39

[10] São estes os principais valentes de Davi, que o apoiaram valorosamente no seu reino, com todo o Israel, para o fazerem rei, segundo a palavra do SENHOR, no tocante a esse povo.

[11] Eis a lista dos valentes de Davi: Jasobeão, hacmonita, o principal dos trinta, o qual, brandindo a sua lança contra trezentos, de uma vez os feriu.

[12] Depois dele, Eleazar, filho de Dodô, o aoíta; ele estava entre os três valentes.

[13] Este se achou com Davi em Pas-Damim, quando se ajuntaram ali os filisteus à peleja, onde havia um pedaço de terra cheio de cevada; e o povo fugiu de diante dos filisteus.

[14] Puseram-se no meio daquele terreno, e o defenderam, e feriram os filisteus; e o SENHOR efetuou grande livramento.

Kwenyuka kuqala uJowabe indodana kaSeruya, waba yinhloko.

[7]UDavide wahlala enqabeni; ngalokho bayibiza ngokuthi umuzi kaDavide.

[8]Wakha umuzi nxazonke kusukela eMilo kuya nxazonke; uJowabe wavusa okuseleyo komuzi.

[9]UDavide waqhubeka njalo ngokukhula, ngokuba uJehova Sebawoti wayenaye.

Amaqhawe kaDavide

[10] Yilaba abayizinhloko zamaqhawe uDavide ayenazo, zibambelela kuye ngamandla ebukhosini bakhe kanye naye wonke u-Israyeli ukumbeka inkosi njengezwi likaJehova ngo-Israyeli.

[11] Nanku umumo wamaqhawe uDavide ayenawo: uJashobehamu indodana yomHakimoni, inhloko yamashumi amathathu; waphakamisela abangamakhulu amathathu umkhonto wakhe, wababulala ngasikhathi sinye.

[12] Emva kwakhe ngu-Eleyazare indodana kaDodo umAhohi owayengomunye wamaqhawe amathathu.

[13]WayenoDavide ePhasi Damimi; amaFilisti abuthana khona ukuyokulwa, lapho kwakukhona isiqephu sezwe esigcwele ibhali; abantu babaleka ebusweni bamaFilisti.

[14]Bema phakathi nesiqephu sezwe, basophula, bawabulala amaFilisti; uJehova wabasindisa ngokusindisa okukhulu.

[15] Três dos trinta cabeças desceram à penha, indo ter com Davi à caverna de Adulão; e o exército dos filisteus se acampara no vale dos Refains.
[16] Davi estava na fortaleza, e a guarnição dos filisteus, em Belém.

[17] Suspirou Davi e disse: Quem me dera beber água do poço que está junto à porta de Belém!

[18] Então, aqueles três romperam pelo acampamento dos filisteus, e tiraram água do poço junto à porta de Belém, e tomaram-na, e a levaram a Davi; ele não a quis beber, mas a derramou como libação ao SENHOR.
[19] E disse: Longe de mim, ó meu Deus, fazer tal coisa; beberia eu o sangue dos homens que lá foram com perigo de sua vida? Pois, com perigo de sua vida, a trouxeram. De maneira que não a quis beber. São essas as coisas que fizeram os três valentes.

[20] Também Abisai, irmão de Joabe, era cabeça dos trinta, o qual, brandindo a sua lança contra trezentos, os feriu; e tinha nome entre os primeiros três.

[21] Era ele mais nobre do que os trinta e era o cabeça deles; contudo, aos primeiros três não chegou.
[22] Também Benaia, filho de Joiada, era homem valente de Cabzeel e grande em obras; feriu ele dois heróis de Moabe.

[15] Kwehla abathathu kwabayizinhloko ezingamashumi amathathu, baya etsheni kuDavide emhumeni wase-Adulamu; impi yamaFilisti yayimise esiGodini samaRefa.
[16]UDavide wayesesenqabeni, ikhanda lamaFilisti laliseBetlehema.
[17]UDavide wanxanela, wathi: Hawu, sengathi ngingaphuziswa amanzi asemthonjeni waseBetlehema owawungasesangweni.
[18]Labo abathathu bafohla ikamu lamaFilisti, bakha amanzi emthonjeni waseBetlehema owawungasesangweni, bawathatha, bawaletha kuDavide; kepha uDavide akavumanga ukuwaphuza, kodwa wawathululela uJehova, wathi:

[19] UNkulunkulu wami makangenqabele ukuba ngenze lokhu; ngiyakuphuza igazi lalaba bantu ababe sengozini na? Ngokuba bawaletha besengozini; akavumanga ukuwaphuza. Lezo zinto zenziwa yilawa maqhawe amathathu.

[20]U-Abishayi umfowabo kaJowabe wayeyinhloko yabathathu, ngokuba waphakamisela abangamakhulu amathathu umkhonto wakhe, wababulala, waba negama phakathi kwalaba abathathu.
[21]Kulaba abathathu wayetusekile kunababili, waba yisikhulu sabo, kepha akafinyelelanga kwabathathu bokuqala.
[22] NoBenaya indodana kaJehoyada, indodana yendoda enamandla, owayenze imisebenzi emikhulu, owaseKabiseyeli,

Desceu numa cova e nela matou um leão no tempo da neve.

wabulala amaqhawe amabili akwaMowabi; futhi wehla, wabulala ingonyama phakathi komgodi ngosuku lweqhwa.

23 Matou também um egípcio, homem da estatura de cinco côvados; o egípcio trazia na mão uma lança como o eixo do tecelão, mas Benaia o atacou com um cajado, arrancou-lhe da mão a lança e com ela o matou.

23Wabulala nowaseGibithe, umuntu omude, eyizingalo eziyisihlanu; esandleni sowaseGibithe kwakukhona umkhonto onjengogongolo lomaluki; wehlela kuye ephethe induku nje, wawuhlwitha umkhonto esandleni sowaseGibithe, wambulala ngomkhonto wakhe.

24 Estas coisas fez Benaia, filho de Joiada, pelo que teve nome entre os primeiros três valentes.

24Lezo zinto wazenza uBenaya indodana kaJehoyada, waba negama phakathi kwalawo maqhawe amathathu.

25 Era mais nobre do que os trinta, porém aos três primeiros não chegou, e Davi o pôs sobre a sua guarda.

25Bheka, wayetusekile kunabangamashumi amathathu, kepha akafinyelelanga kwabathathu bokuqala; uDavide wambeka phezu kwabalindi bakhe.

26 Foram os heróis dos exércitos: Asael, irmão de Joabe, Elanã, filho de Dodô, de Belém;

26 Amaqhawe anamandla nanka: u-Asaheli umfowabo kaJowabe, no-Elihanani indodana kaDodo waseBetlehema,

27 Samote, harorita; Heles, pelonita;

27noShamoti waseHarori, noHelesi wasePheloni,

28 Ira, filho de Iques, tecoíta; Abiezer, anatotita;

28no-Ira indodana ka-Ikheshi waseThekhowa, no-Abiyezeri wase-Anathoti,

29 Sibecai, husatita; Ilai, aoíta;

29noSibekayi umHushati, no-Ilayi umAhohi,

30 Maarai, netofatita; Helede, filho de Baaná, netofatita;

30noMaharayi waseNethofa, noHeledi indodana kaBahana waseNethofa,

31 Itai, filho de Ribai, de Gibeá, dos filhos de Benjamim; Benaia, piratonita;

31no-Ithayi indodana kaRibayi waseGibeya labantwana bakwaBenjamini, noBenaya wasePirathoni,

[32] Hurai, do ribeiro de Gaás; Abiel, arbatita;

[32]noHurayi wangasemifudlaneni yakwaGahashi, no-Abiyeli wase-Araba,

[33] Azmavete, baarumita; Eliaba, saalbonita;

[33]no-Azimaveti waseBaharumi, no-Eliyaba waseShahaliboni,

[34] Benê-Hasém, gizonita; Jônatas, filho de Sage, hararita;

[34]namadodana kaHashemi waseGizoni, noJonathani indodana kaShage waseHarari,

[35] Aião, filho de Sacar, hararita; Elifal, filho de Ur;

[35]no-Ahiyamu indodana kaSakri waseHarari, no-Elifali indodana ka-Uri,

[36] Héfer, mequeratita; Aías, pelonita;

[36]noHeferi waseMekeri, no-Ahiya wasePheloni,

[37] Hezro, carmelita; Naarai, filho de Ezbai;

[37]noHesiro waseKarmeli, noNaharayi indodana ka-Ezibayi,

[38] Joel, irmão de Natã; Mibar, filho de Hagri;

[38]noJoweli umfowabo kaNathani, noMibihari indodana kaHagiri,

[39] Zeleque, amonita; Naarai, beerotita, o que trazia as armas de Joabe, filho de Zeruia;

[39]noSeleki wakwa-Amoni, noNaharayi waseBeroti, udibi lukaJowabe indodana kaSeruya,

[40] Ira, o itrita; Garebe, itrita;

[40]no-Ira waseJetheri, noGarebi waseJetheri,

[41] Urias, heteu; Zabade, filho de Alai;

[41] no-Uriya umHeti, noZabadi indodana ka-Ahilayi,

[42] Adina, filho de Siza, rubenita, chefe dos rubenitas, e com ele trinta;

[42]no-Adina indodana kaShiza wakwaRubeni, inhloko yakwaRubeni, enabangamashumi amathathu,

[43] Hanã, filho de Maaca; Josafá, mitenita;

[43]noHanani indodana kaMahakha, noJeshoshafati umMiteni,

[44] Uzias, asteratita, Sama e Jeiel, filhos de Hotão, aroerita;

[44]no-Uziya wase-Ashitaroti, noShama noJehiyeli amadodana kaHothamu wase-Aroweri,

[45] Jediael, filho de Sinri, e Joá, seu irmão, tizita;

[45]noJediyayeli indodana kaShimri, noJoha umfowabo umThisi,

[46] Eliel, maavita, Jeribai e Josavias, filhos de Elnaão; Itma, moabita;

[46]no-Eliyeli umMahavi, noJeribayi noJoshaviya amadodana ka-Elinahama, no-Itima wakwaMowabi,

[47] Eliel, Obede e Jaasiel, de Zoba.

1 Crônicas 12

O exército de Davi

[1] São estes os que vieram a Davi, a Ziclague, quando fugitivo de Saul, filho de Quis; e eram dos valentes que o ajudavam na guerra.

[2] Tinham por arma o arco e usavam tanto da mão direita como da esquerda em arremessar pedras com fundas e em atirar flechas com o arco. Eram dos irmãos de Saul, da tribo de Benjamim:

[3] Aiezer, o chefe, e Joás, filhos de Semaá, o gibeatita; Jeziel e Pelete, filhos de Azmavete; Beraca e Jeú, o anatotita;

[4] Ismaías, o gibeonita, valente entre os trinta e cabeça deles; Jeremias, Jaaziel, Joanã e Jozabade, o gederatita;

[5] Eluzai, Jerimote, Bealias, Semarias e Sefatias, o harufita;

[6] Elcana, Issias, Azarel, Joezer e Jasobeão, os coreítas;

[7] Joela, Zebadias, filhos de Jeroão, de Gedor.

[8] Dos gaditas passaram-se para Davi à fortaleza no deserto, homens valentes, homens de guerra para pelejar, armados de escudo e lança; seu rosto era como de

[47]no-Eliyeli, no-Obede, noJahashiyeli umMesoba.

1 iziKronike 12

Amaqhawe kaDavide afika kuye ekuzingelweni kwakhe nguSawule

[1] Nampa abafika kuDavide eSikilagi esagogobele ebusweni bukaSawule indodana kaKishi; babe phakathi kwamaqhawe, abasizi bakhe empini.

[2] Babehlomile iminsalo, besebenzisa isandla sokunene nesokhohlo ekuphonseni amatshe nasekucibisheleni imicibisholo ngomnsalo; ababe kubafowabo bakaSawule kwaBenjamini kwakuyilaba:

[3]inhloko u-Ahiyezeri noJowashi amadodana kaShemaha waseGibeya, noJeziyeli noPheleti amadodana ka-Azimaveti, noBerakha, noJehu wase-Anathoti,

[4]no-Ishmaya waseGibeyoni, iqhawe phakathi kwabangamashumi amathathu, ebaphethe abangamashumi amathathu, noJeremiya, noJahaziyeli, noJohanani, noJozabadi waseGedera,

[5]no-Eluzayi, noJerimoti, noBehaliya, noShemariya, noShefathiya umHarufi,

[6]no-Elkana, noJishiya, no-Azareli, noJohezeri, noJashobehamu, amaKora,

[7]noJowela noZebadiya, amadodana kaJerohamu waseGedori.

[8]KwabakwaGadi abanye bazahlukanisa baya kuDavide enqabeni ehlane, amaqhawe anamandla, abantu abazilungiselele ukulwa, abakwazi

leões, e eram eles ligeiros como gazelas sobre os montes:

[9] Ézer, o cabeça, Obadias, o segundo, Eliabe, o terceiro,

[10] Mismana, o quarto, Jeremias, o quinto,

[11] Atai, o sexto, Eliel, o sétimo,

[12] Joanã, o oitavo, Elzabade, o nono,

[13] Jeremias, o décimo, Macbanai, o undécimo;

[14] estes, dos filhos de Gade, foram capitães do exército; o menor valia por cem homens, e o maior, por mil.

[15] São estes os que passaram o Jordão no primeiro mês, quando ele transbordava por todas as suas ribanceiras, e puseram em fuga a todos os que habitavam nos vales, tanto no oriente como no ocidente.

[16] Também vieram alguns dos filhos de Benjamim e de Judá a Davi, à fortaleza.

[17] Davi lhes saiu ao encontro e lhes falou, dizendo: Se vós vindes a mim pacificamente e para me ajudar, o meu coração se unirá convosco; porém, se é para me entregardes aos meus adversários, não havendo maldade em mim, o Deus de nossos pais o veja e o repreenda.

[18] Então, entrou o Espírito em Amasai, cabeça de trinta, e disse: Nós somos teus, ó Davi, e contigo estamos, ó filho de Jessé! Paz, paz seja contigo! E paz com os que te

ukuphatha isihlangu nomkhonto, ababuso babo bafana nobuso bezingonyama, abanejubane njengezinsephe ezintabeni:

[9]ngu-Ezeri inhloko, no-Obadiya owesibili, no-Eliyabe owesithathu,

[10]noMishimana owesine, noJeremiya owesihlanu,

[11]no-Athayi owesithupha, no-Eliyeli owesikhombisa,

[12]noJohanani owesishiyagalombili, no-Elizabadi owesishiyagalolunye,

[13]noJeremiya oweshumi, noMakibanayi oweshumi nanye.

[14]Lawo madodana kaGadi ayeyizinhloko zempi; encinyane kuwo yayilingana nekhulu, yalingana nenkulungwane.

[15]Yilabo ababewela iJordani ngenyanga yokuqala, ligcwele liphuphuma zonke izingu zalo; baxosha bonke abasezigodini ngasempumalanga nangasentshonalanga.

[16]Kwafika nabantwana bakwaBenjamini noJuda enqabeni kuDavide.

[17]UDavide waphuma ukubahlangabeza, wathatha, wathi kubo: Uma nize nokuthula kimi ukungisiza, inhliziyo yami iyakuba nye nani, kepha uma kungukungikhohlisa ezitheni zami, lokhu kungekho okubi ezandleni zami, uNkulunkulu wawobaba makakubheke, akujezise.

[18] Kwase kwehla umoya phezu kuka-Amasayi owayeyinhloko yabangamashumi amathathu, wathi: Singabakho thina, Davide, sinawe, wena

ajudam! Porque o teu Deus te ajuda. Davi os recebeu e os fez capitães de tropas.

ndodana kaJese; ukuthula, ukuthula makube nawe, ukuthula makube nabakusizayo, ngokuba uNkulunkulu wakho uyakusiza. Wayesebamukela uDavide, wabenza izinhloko zeviyo.

19 Também de Manassés alguns se passaram para Davi, quando veio com os filisteus para a batalha contra Saul, mas não ajudou os filisteus, porque os príncipes destes, depois de se aconselharem, o despediram; pois diziam: À custa de nossa cabeça, passará a Saul, seu senhor.

19Kwafika abanye kwabakwaManase kuDavide, lapho efika namaFilisti ukulwa noSawule, kepha abawasizanga, ngokuba izinduna zamaFilisti sezilulekene zammukisa, zathi: Uyakuhlubukela enkosini yakhe uSawule, amakhanda ethu abe sengozini.

20 Voltando ele, pois, a Ziclague, passaram-se para ele, de Manassés, Adna, Jozabade, Jediael, Micael, Jozabade, Eliú e Ziletai, chefes de milhares dos de Manassés.

20Ekuyeni kwakhe eSikilagi kwahlubukela kuye kwabakwaManase o-Adina, noJozabadi, noJediyayeli, noMikayeli, noJozabadi, no-Elihu, noSilethayi, izinhloko zezinkulungwane zabakwaManase.

21 Estes ajudaram Davi contra aquela tropa, porque todos eles eram homens valentes e capitães no exército.

21 Bamsiza uDavide eviyweni, ngokuba babe ngamaqhawe anamandla bonke, beyizinduna zempi.

22 Porque, naquele tempo, dia após dia, vinham a Davi para o ajudar, até que se fez um grande exército, como exército de Deus.

22Ngokuba imihla ngemihla bafika kuDavide ukumsiza, kwaze kwaba yimpi enkulu njengempi kaNkulunkulu.

O exército que proclamou a Davi rei em Hebrom

Umumo wabantu abambeka uDavide inkosi eHebroni

23 Ora, este é o número dos homens armados para a peleja, que vieram a Davi, em Hebrom, para lhe transferirem o reino de Saul, segundo a palavra do SENHOR:

23 Nazi izibalo zezinhloko zababehlomele ukulwa abeza kuDavide eHebroni ukuba baguqulele umbuso kaSawule kuye njengezwi likaJehova.

24 dos filhos de Judá, que traziam escudo e lança, seis mil e oitocentos, armados para a peleja;

24Abantwana bakwaJuda ababephethe izihlangu nemikhonto babeyizinkulungwane eziyisithupha

namakhulu ayisishiyagalombili, behlomele ukulwa.

25 dos filhos de Simeão, homens valentes para a peleja, sete mil e cem;

25Kubantwana bakwaSimeyoni amaqhawe anamandla okulwa yizinkulungwane eziyisikhombisa nekhulu.

26 dos filhos de Levi, quatro mil e seiscentos;

26Kubantwana bakwaLevi yizinkulungwane ezine namakhulu ayisithupha.

27 Joiada era o chefe da casa de Arão, e com ele vieram três mil e setecentos;

27UJehoyada wayengumholi wakwa-Aroni, enezinkulungwane ezintathu namakhulu ayisikhombisa,

28 Zadoque, sendo ainda jovem, homem valente, trouxe vinte e dois príncipes de sua casa paterna;

28noSadoki insizwa eyiqhawe elinamandla, nasendlini kayise izinduna ezingamashumi amabili nambili.

29 dos filhos de Benjamim, irmãos de Saul, vieram três mil; porque até então havia ainda muitos deles que eram pela casa de Saul;

29 Kubantwana bakwaBenjamini, abafowabo bakaSawule, yizinkulungwane ezintathu, ngokuba kuze kube manje imvama yabo yayithembekile endlini kaSawule.

30 dos filhos de Efraim, vinte mil e oitocentos homens valentes e de renome em casa de seus pais;

30Kubantwana bakwa-Efrayimi yizinkulungwane ezingamashumi amabili namakhulu ayisishiyagalombili, amaqhawe anamandla, abantu abanegama ezindlini zawoyise.

31 da meia tribo de Manassés, dezoito mil, que foram apontados nominalmente para vir a fazer rei a Davi;

31Kuyo inxenye yesizwe sakwaManase yizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili, ezabizwa ngamagama ukuba zize zimbeke uDavide inkosi.

32 dos filhos de Issacar, conhecedores da época, para saberem o que Israel devia fazer, duzentos chefes e todos os seus irmãos sob suas ordens;

32Kubantwana bakwa-Isakare ngabazi ukuqonda izikhathi ukuba bazi okufanele ukwenziwa ngu-Israyeli; izinhloko zabo zazingamakhulu amabili; bonke abafowabo balalela izwi labo.

33 de Zebulom, dos capazes para sair à guerra, providos com todas as armas de

33KuZebuloni abangaphuma impi, bayihlele impi benezikhali zonke

guerra, cinqüenta mil, destros para ordenar uma batalha com ânimo resoluto;

zokulwa, yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu, bezihlela nganhliziyonye.

[34] de Naftali, mil capitães, e, com eles, trinta e sete mil com escudo e lança;

[34]KuNafetali yizinduna eziyinkulungwane, zinezinkulungwane ezingamashumi amathathu nesikhombisa eziphethe isihlangu nomkhonto.

[35] dos danitas, providos para a peleja, vinte e oito mil e seiscentos;

[35]KwabakwaDani abangahlela impi yizinkulungwane ezingamashumi amabili nesishiyagalombili namakhulu ayisithupha.

[36] de Aser, dos capazes para sair à guerra e prontos para a batalha, quarenta mil;

[36]Ku-Asheri abangaphuma impi, bayihlele impi, yizinkulungwane ezingamashumi amane.

[37] do lado dalém do Jordão, dos rubenitas e gaditas e da meia tribo de Manassés, providos de toda sorte de instrumentos de guerra, cento e vinte mil.

[37]Ngaphesheya kweJordani kwabakwaGadi nasenxenyeni yesizwe sakwaManase, benezikhali zonke zempi zokulwa, yizinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili.

[38] Todos estes homens de guerra, postos em ordem de batalha, vieram a Hebrom, resolvidos a fazer Davi rei sobre todo o Israel; também todo o resto de Israel era unânime no propósito de fazer a Davi rei.

[38]Onke lawo madoda empi, angahlela impi, afika eHebroni ngezinhliziyo ezipheleleyo ukubeka uDavide inkosi kwa-Israyeli; nabo bonke abaseleyo bakwa-Israyeli babenhliziyonye ukumbeka uDavide inkosi.

[39] Estiveram ali com Davi três dias, comendo e bebendo; porque seus irmãos lhes tinham feito provisões.

[39]Babe lapho noDavide izinsuku ezintathu, bedla, bephuza, ngokuba abafowabo babebalungisele.

[40] E também seus vizinhos de mais perto, até Issacar, Zebulom e Naftali, trouxeram pão sobre jumentos, sobre camelos, sobre mulos e sobre bois, provisões de farinha, e pastas de figos, e cachos de passas, e vinho, e azeite, e bois, e gado miúdo em

[40]Ababe seduze nabo kuze kube kwa-Isakare, nakwaZebuloni, nakwaNafetali baletha isinkwa ngezimbongolo, nangamakamela, nangeminyuzi, nangezinkabi, nokudla kwempuphu, nezigaxa zamakhiwane, nezigaxa zezithelo zomvini ezomileyo, newayini,

abundância; porque havia regozijo em Israel.

namafutha, nezinkabi, nezimvu eziningi, ngokuba kwakukhona ukuthokoza kwa-Israyeli.

1 Crônicas 13

Davi dispõe-se a trazer a arca para Jerusalém

[1] Consultou Davi os capitães de mil, e os de cem, e todos os príncipes;

[2] e disse a toda a congregação de Israel: Se bem vos parece, e se vem isso do SENHOR, nosso Deus, enviemos depressa mensageiros a todos os nossos outros irmãos em todas as terras de Israel, e aos sacerdotes, e aos levitas com eles nas cidades e nos seus arredores, para que se reúnam conosco;

[3] tornemos a trazer para nós a arca do nosso Deus; porque nos dias de Saul não nos valemos dela.

[4] Então, toda a congregação concordou em que assim se fizesse; porque isso pareceu justo aos olhos de todo o povo.

Davi procura trazer a arca

2 Samuel 6.1-11

[5] Reuniu, pois, Davi a todo o Israel, desde Sior do Egito até à entrada de Hamate, para trazer a arca de Deus de Quiriate-Jearim.

[6] Então, Davi, com todo o Israel, subiu a Baalá, isto é, a Quiriate-Jearim, que está em Judá, para fazer subir dali a arca de Deus, diante da qual é invocado o nome do SENHOR, que se assenta acima dos querubins.

1 iziKronike 13

Umphongolo kaNkulunkulu ususwa eKiriyati Jeharimi

[1] UDavide welulekana nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nabaholi bonke.

[2]UDavide wathi kulo lonke ibandla lakwa-Israyeli: Uma kukuhle kini, uma kuvela kuJehova uNkulunkulu wethu, masihlakazeke sithumele kubafowethu abasele ezweni lonke lakwa-Israyeli kanye nabapristi namaLevi emizini yabo enamadlelo ukuba babuthane kithi,

[3]sibuyisele kithi umphongolo kaNkulunkulu wethu, ngokuba asiwufunanga ezinsukwini zikaSawule.

[4]Lonke ibandla lathi liyakwenze njalo, ngokuba leyo nto yayilungile emehlweni abo bonke abantu.

[5] UDavide wayesebutha wonke u-Israyeli kusukela eSihori laseGibithe kuze kube sekuyeni eHamati ukususa umphongolo kaNkulunkulu eKiriyati Jeharimi.

[6] UDavide wenyukela kanye naye wonke u-Israyeli eBahala, okungukuthi iKiriyati Jeharimi elalingelakwaJuda, ukukhuphula khona umphongolo kaNkulunkulu uJehova ohlezi phezu kwamakherubi, owawubizwa ngegama lakhe.

[7] Puseram a arca de Deus num carro novo e a levaram da casa de Abinadabe; e Uzá e Aiô guiavam o carro.

[8] Davi e todo o Israel alegravam-se perante Deus, com todo o seu empenho; em cânticos, com harpas, com alaúdes, com tamboris, com címbalos e com trombetas.

[9] Quando chegaram à eira de Quidom, estendeu Uzá a mão à arca para a segurar, porque os bois tropeçaram.

[10] Então, a ira do SENHOR se acendeu contra Uzá e o feriu, por ter estendido a mão à arca; e morreu ali perante Deus.

[11] Desgostou-se Davi, porque o SENHOR irrompera contra Uzá; pelo que chamou àquele lugar Perez-Uzá, até ao dia de hoje.

[12] Temeu Davi a Deus, naquele dia, e disse: Como trarei a mim a arca de Deus?

[13] Pelo que Davi não trouxe a arca para si, para a Cidade de Davi; mas a fez levar à casa de Obede-Edom, o geteu.

[14] Assim, ficou a arca de Deus com a família de Obede-Edom, três meses em sua casa; e o SENHOR abençoou a casa de Obede-Edom e tudo o que ele tinha.

1 Crônicas 14

[7] Bawuhambisa umphongolo kaNkulunkulu ngengqukumbane entsha, bewukhipha endlini ka-Abinadaba; o-Uza no-Ahiyo bashayela ingqukumbane.

[8]UDavide naye wonke u-Israyeli bathokoza ebusweni bukaNkulunkulu ngamandla onke ngamahubo, nangamahabhu, nangezingubhu, nangezigubhu, nangamasimbali, nangamacilongo.

[9]Ekufikeni kwabo esibuyeni sikaKidoni u-Uza welula isandla sakhe ukubamba umphongolo, ngokuba izinkabi zashelela.

[10] Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Uza, wamshaya, ngokuba welulela isandla emphongolweni; wafela khona lapho phambi kukaNkulunkulu.

[11]UDavide wadabuka ngokuba uJehova emhlasele u-Uza, wayibiza leyo ndawo ngokuthi iPheresi-Uza kuze kube namuhla.

[12]UDavide wamesaba uNkulunkulu ngalolo suku; wathi: Ngizakuletha kanjani umphongolo kaNkulunkulu kimi na?

[13]UDavide akawuyisanga umphongolo kuye emzini kaDavide, kepha wawubuyisela eceleni endlini ka-Obede Edomi umGiti.

[14]Umphongolo kaNkulunkulu wahlala nabendlu ka-Obede Edomi endlini yakhe izinyanga ezintathu; uJehova wayibusisa indlu ka-Obede Edomi nakho konke anakho.

1 iziKronike 14

O reinado de Davi reconhecido por Hirão

2 Samuel 5.11-12

[1] Então, Hirão, rei de Tiro, mandou mensageiros a Davi, e madeira de cedro, e pedreiros, e carpinteiros, para lhe edificarem uma casa.

[2] Reconheceu Davi que o SENHOR o confirmara rei sobre Israel; porque, por amor do seu povo de Israel, o seu reino se tinha exaltado muito.

Os filhos de Davi que nasceram em Jerusalém

2 Samuel 5.13-16; 1 Crônicas 3.5-8

[3] Davi tomou ainda mais mulheres em Jerusalém; e gerou ainda mais filhos e filhas.

[4] São estes os nomes dos filhos que teve em Jerusalém: Samua, Sobabe, Natã, Salomão,

[5] Ibar, Elisua, Elpelete,

[6] Nogá, Nefegue, Jafia,

[7] Elisama, Beeliada e Elifelete.

Davi derrota os filisteus

2 Samuel 5.17-25

[8] Ouvindo, pois, os filisteus que Davi fora ungido rei sobre todo o Israel, subiram todos para prender Davi; ouvindo-o Davi, saiu contra eles.

[9] Mas vieram os filisteus e investiram contra ele no vale dos Refains.

[10] Então, Davi consultou a Deus, dizendo: Subirei contra os filisteus? Entregar-mos-ás nas mãos? Respondeu-lhe o SENHOR: Sobe, porque os entregarei nas tuas mãos.

Isivumelwano sikaDavide noHiramu. Abafazi bakhe namadodana akhe. Ukunqotshwa kwamaFilisti

[1] UHiramu inkosi yaseTire wathuma izithunywa kuDavide, nemisedari, nabakhi, nababazi ukuba bamakhele indlu.

[2]UDavide waqonda ukuthi uJehova wayemmisile impela ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli, ngokuba umbuso wakhe waphakanyiselwa phezulu ngenxa yabantu bakhe u-Israyeli.

[3]UDavide wathatha abanye abafazi eJerusalema, uDavide wazala amanye amadodana namadodakazi.

[4] Nanka amagama abantwana ayenabo eJerusalema: oShamuvwa, noShobabi, noNathani, noSolomoni,

[5]noJibari, no-Elishuwa, no-Elipheleti,

[6]noNoga, noNefegi, noJafiya,

[7]no-Elishama, noBeyeliyada, no-Elifeleti.

[8] AmaFilisti esezwile ukuthi uDavide ugcotshiwe ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli wonke, onke amaFilisti enyuka ukumfuna uDavide; uDavide wakuzwa, waphuma ukuwahlasela.

[9]AmaFilisti esefikile ukungenela isiGodi samaRefa,

[10]uDavide wabuza kuNkulunkulu, wathi: Ngenyukele ukuhlasela amaFilisti na? Uyakuwanikela esandleni sami na? UJehova wathi kuye: Yenyuka, ngokuba ngiyakuwanikela esandleni sakho.

[11] Subindo Davi a Baal-Perazim, ali os derrotou; e disse: Deus, por meu intermédio, rompeu as fileiras inimigas diante de mim, como quem rompe águas. Por isso, chamaram o nome daquele lugar Baal-Perazim.

[12] Ali, deixaram os seus deuses; e ordenou Davi que se queimassem.

[13] Porém os filisteus tornaram e fizeram uma investida no vale.

[14] De novo, Davi consultou a Deus, e este lhe respondeu: Não subirás após eles; mas rodeia por detrás deles e ataca-os por defronte das amoreiras;

[15] e há de ser que, ouvindo tu um estrondo de marcha pelas copas das amoreiras, então, sai à peleja; porque Deus saiu adiante de ti a ferir o exército dos filisteus.

[16] Fez Davi como Deus lhe ordenara; e feriu o exército dos filisteus desde Gibeão até Gezer.

[17] Assim se espalhou o renome de Davi por todas aquelas terras; pois o SENHOR o fez temível a todas aquelas gentes.

1 Crônicas 15

Os levitas designados para levarem a arca

[1] Fez também Davi casas para si mesmo, na Cidade de Davi; e preparou um lugar para a arca de Deus e lhe armou uma tenda.

[2] Então, disse Davi: Ninguém pode levar a arca de Deus, senão os levitas; porque o

[11] Base benyukela eBali Pherasimi, uDavide wawachitha; uDavide wathi: UNkulunkulu ufohlele izitha zami ngesandla sami njengokufohla kwamanzi. Ngalokho baqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBali Pherasimi.

[12] Ashiya khona onkulunkulu bawo; uDavide wathi mabashiswe ngomlilo.

[13] AmaFilisti abuye angenela isigodi.

[14]UDavide waphinda wabuza kuNkulunkulu; uNkulunkulu wathi kuye: Ungenyuki emva kwawo; wagwegwesele, uwafikele malungana namajikijolo.

[15]Kuyakuthi lapho usuzwa umsindo wokuhamba ezihlokweni zamajikijolo, uphume impi, ngokuba uNkulunkulu uphumile ngaphambi kwakho ukuchitha impi yamaFilisti.

[16]UDavide wenza njengokumyala kukaNkulunkulu, bachitha impi yamaFilisti kusukela eGibeyoni kuze kube seGezeri.

[17]Igama likaDavide laphumela emazweni onke; uJehova wehlisela izizwe zonke ingebhe ngaye.

1 iziKronike 15

Ukuyiswa komphongolo kaJehova eJerusalema

[1] Wazakhela izindlu emzini kaDavide; walungisela umphongolo kaNkulunkulu indawo, wawumisela itende.

[2] Khona uDavide wathi: Umphongolo kaNkulunkulu nga ungathwalwa muntu, ngamaLevi kuphela, ngokuba yiwona

SENHOR os elegeu, para levarem a arca de Deus e o servirem para sempre.

akhethwe nguJehova ukuthwala umphongolo kaNkulunkulu nokumkhonza kuze kube phakade.

[3] Davi reuniu a todo o Israel em Jerusalém, para fazerem subir a arca do SENHOR ao seu lugar, que lhe tinha preparado.

[3]UDavide wabuthela wonke u-Israyeli eJerusalema ukukhuphulela umphongolo kaJehova endaweni yawo awulungisele yona.

[4] Reuniu Davi os filhos de Arão e os levitas:

[4]UDavide wabutha amadodana ka-Aroni namaLevi;

[5] dos filhos de Coate: Uriel, o chefe, e seus irmãos, cento e vinte;

[5]kumadodana kaKohati: ngu-Uriyeli inhloko nabafowabo, beyikhulu namashumi amabili;

[6] dos filhos de Merari: Asaías, o chefe, e seus irmãos, duzentos e vinte;

[6]kumadodana kaMerari: ngu-Asaya inhloko nabafowabo, bengamakhulu amabili namashumi amabili;

[7] dos filhos de Gérson: Joel, o chefe, e seus irmãos, cento e trinta;

[7]kumadodana kaGereshomu: nguJoweli inhloko nabafowabo, beyikhulu namashumi amathathu;

[8] dos filhos de Elisafã: Semaías, o chefe, e seus irmãos, duzentos;

[8]kumadodana ka-Elisafani: nguShemaya inhloko nabafowabo, bengamakhulu amabili;

[9] dos filhos de Hebrom: Eliel, o chefe, e seus irmãos, oitenta;

[9]kumadodana kaHebroni: ngu-Eliyeli inhloko nabafowabo, bengamashumi ayisihiyagalombili;

[10] dos filhos de Uziel: Aminadabe, o chefe, e seus irmãos, cento e doze.

[10]kumadodana ka-Uziyeli: ngu-Aminadaba inhloko nabafowabo, beyikhulu neshumi nambili.

[11] Chamou Davi os sacerdotes Zadoque e Abiatar e os levitas Uriel, Asaías, Joel, Semaías, Eliel e Aminadabe

[11]UDavide wabiza oSadoki no-Abiyathara abapristi, namaLevi o-Uriyeli, no-Asaya, noJoweli, noShemaya, no-Eliyeli, no-Aminadaba, wathi kubo:

[12] e lhes disse: Vós sois os cabeças das famílias dos levitas; santificai-vos, vós e vossos irmãos, para que façais subir a arca

[12] Nina niyizinhloko zezindlu zawoyise bamaLevi; zingcweliseni nina nabafowenu ukuba niwukhuphulele umphongolo

do SENHOR, Deus de Israel, ao lugar que lhe preparei.

[13] Pois, visto que não a levastes na primeira vez, o SENHOR, nosso Deus, irrompeu contra nós, porque, então, não o buscamos, segundo nos fora ordenado.

[14] Santificaram-se, pois, os sacerdotes e levitas, para fazerem subir a arca do SENHOR, Deus de Israel.

[15] Os filhos dos levitas trouxeram a arca de Deus aos ombros pelas varas que nela estavam, como Moisés tinha ordenado, segundo a palavra do SENHOR.

Designados os músicos para o templo

[16] Disse Davi aos chefes dos levitas que constituíssem a seus irmãos, os cantores, para que, com instrumentos músicos, com alaúdes, harpas e címbalos se fizessem ouvir e levantassem a voz com alegria.

[17] Designaram, pois, os levitas Hemã, filho de Joel; e dos irmãos dele, Asafe, filho de Berequias; e dos filhos de Merari, irmãos deles, Etã, filho de Cusaías.

[18] E com eles a seus irmãos da segunda ordem: Zacarias, Bene, Jaaziel, Semiramote, Jeiel, Uni, Eliabe, Benaia, Maaséias, Matitias, Elifeleu e Micnéias e os porteiros Obede-Edom e Jeiel.

[19] Assim, os cantores Hemã, Asafe e Etã se faziam ouvir com címbalos de bronze;

kaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli endaweni engiyilungisele wona.

[13] Ngokuba ngenxa yokungawuthwali kwenu kuqala uJehova uNkulunkulu wethu wafohla kithina, ngokuba singamfunanga njengomthetho.

[14]Base bezingcwelisa abapristi namaLevi ukuba bawukhuphule umphongolo kaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

[15] Abantwana bamaLevi bawuthwala umphongolo kaNkulunkulu emahlombe abo ngezinti zawo njengokuyala kukaMose ngezwi likaJehova.

[16]UDavide washo ezinduneni zamaLevi ukuba zibeke abafowabo abahlabeleli, benezinto zokubetha, izingubhu, namahabhu, namasimbali, bakubethe, baphakamise izwi labo ngokuthokoza.

[17]AmaLevi ayesebeka uHemani indodana kaJoweli, nakubafowabo u-Asafa indodana kaBerekiya, nakumadodana kaMerari, abafowabo, u-Ethani indodana kaKushaya,

[18]bekanye nabo abafowabo besigaba sesibili: oZakariya, noBeni, noJahaziyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, no-Uni, no-Eliyabe, noBenaya, noMahaseya, noMatithiya, no-Elifelehu, noMikineya, no-Obede Edomi, noJehiyeli, abalindisango,

[19]nabahlabeleli oHemani no-Asafa no-Ethani ukuba bakhalise amasimbali ethusi,

[20] Zacarias, Aziel, Semiramote, Jeiel, Uni, Eliabe, Maaséias e Benaia, com alaúdes, em voz de soprano;

[21] Matitias, Elifeleu, Micnéias, Obede-Edom, Jeiel e Azazias, com harpas, em voz de baixo, para conduzir o canto.

[22] Quenanias, chefe dos levitas músicos, tinha o encargo de dirigir o canto, porque era perito nisso.

[23] Berequias e Elcana eram porteiros da arca.

[24] Sebanias, Josafá, Natanael, Amasai, Zacarias, Benaia e Eliézer, os sacerdotes, tocavam as trombetas perante a arca de Deus; Obede-Edom e Jeías eram porteiros da arca.

A arca é levada para Jerusalém

[25] Foram Davi, e os anciãos de Israel, e os capitães de milhares, para fazerem subir, com alegria, a arca da Aliança do SENHOR, da casa de Obede-Edom.

[26] Tendo Deus ajudado os levitas que levavam a arca da Aliança do SENHOR, ofereceram em sacrifício sete novilhos e sete carneiros.

[27] Davi ia vestido de um manto de linho fino, como também todos os levitas que levavam a arca, e os cantores, e Quenanias, chefe dos que levavam a arca

[20]noZakariya, no-Aziyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, no-Uni, no-Eliyabe, noMahaseya, noBenaya ukuba babe nezingubhu ezilungiselwe i-Alamoti,

[21]noMatithiya, no-Elifelehu, noMikineya, no-Obede Edomi, noJehiyeli, no-Azaziya ukuba babe namahabhu alungiselwe iSheminiti ukuba bahole.

[22]UKhenaniya induna yamaLevi wayephethe umsebenzi wokuthwala; wayefundisa ukuthwala ngokuba wayekwazi.

[23]OBerekiya no-Elkana babe ngabalindisango bomphongolo.

[24]OShebaniya, noJehoshafati, noNethaneli, no-Amasayi, noZakariya, noBenaya, no-Eliyezeri, abapristi, bashaya amacilongo phambi komphongolo kaNkulunkulu; o-Obede Edomi noJehiya babe ngabalindisango bomphongolo.

[25] UDavide namalunga akwa-Israyeli nezinduna zezinkulungwane baya ukuwukhuphula umphongolo wesivumelwano sikaJehova endlini ka-Obede Edomi ngokuthokoza;

[26]kwathi lapho uNkulunkulu esesizile amaLevi awuthwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova, anikela ngezinkunzi eziyisikhombisa nangezinqama eziyisikhombisa.

[27]UDavide wayembethe ingubo yelineni elicolekileyo kanye nawo onke amaLevi ayethwala umphongolo, nabahlabeleli, noKhenaniya induna yokuthwala

e dos cantores; Davi vestia também uma estola sacerdotal de linho.

[28] Assim, todo o Israel fez subir com júbilo a arca da Aliança do SENHOR, ao som de clarins, de trombetas e de címbalos, fazendo ressoar alaúdes e harpas.

Mical despreza a Davi
2 Samuel 6.16,20-22

[29] Ao entrar a arca da Aliança do SENHOR na Cidade de Davi, Mical, filha de Saul, estava olhando pela janela e, vendo ao rei Davi dançando e folgando, o desprezou no seu coração.

1 Crônicas 16

Oferta de sacrifícios

[1] Introduziram, pois, a arca de Deus e a puseram no meio da tenda que lhe armara Davi; e trouxeram holocaustos e ofertas pacíficas perante Deus.

[2] Tendo Davi acabado de trazer os holocaustos e ofertas pacíficas, abençoou o povo em nome do SENHOR.

[3] E repartiu a todos em Israel, tanto os homens como as mulheres, a cada um, um bolo de pão, um bom pedaço de carne e passas.

[4] Designou dentre os levitas os que haviam de ministrar diante da arca do SENHOR, e

kwabahlabeleli; uDavide wayenengubo yamahlombe yelineni.

[28]Wonke u-Israyeli wawukhuphula kanjalo umphongolo wesivumelwano sikaJehova ngokukhamuluka nangezwi lomtshingo, nangamacilongo, nangamasimbali, ebetha izingubhu namahabhu.

[29]Kwathi lapho umphongolo wesivumelwano sikaJehova usungena emzini kaDavide, uMikhali indodakazi kaSawule walunguza efasiteleni, wabona inkosi uDavide isina, idlala; wayidelela enhliziyweni yakhe.

1 iziKronike 16

Iminikelo namahubo ekungenisweni komphongolo eJerusalema

[1] Bawungenisa umphongolo kaNkulunkulu, bawubeka phakathi netende uDavide ayelimisele wona; banikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula phambi kukaNkulunkulu.

[2] UDavide eseqedile ukunikela ngomnikelo wokushiswa nangeminikelo yokuthula wababusisa abantu egameni likaJehova.

[3]Wabela bonke abantu bakwa-Israyeli, abesilisa nabesifazane, isinkwa saba sinye, nesicubu senyama, nesigaxa sezithelo zomvini ezomileyo.

[4]Wabela amaLevi athile ukukhonza phambi komphongolo kaJehova ukuba

celebrar, e louvar, e exaltar o SENHOR, Deus de Israel, a saber,

amkhumbule, ambonge, amdumise uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli:

[5] Asafe, o chefe, Zacarias, o segundo, e depois Jeiel, Semiramote, Jeiel, Matitias, Eliabe, Benaia, Obede-Edom e Jeiel, com alaúdes e harpas; e Asafe fazia ressoar os címbalos.

[5]ngu-Asafa inhloko nabesigaba sakhe sesibili, oZakariya, noJehiyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, noMatithiya, no-Eliyabe, noBenaya, no-Obede Edomi, noJehiyeli, benezingubhu namahabhu, kanye no-Asafa ephethe amasimbali, ewabetha,

[6] Os sacerdotes Benaia e Jaaziel estavam continuamente com trombetas, perante a arca da Aliança de Deus.

[6]noBenaya noJahaziyeli abapristi, benamacilongo njalo phambi komphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu.

Salmo de Davi em ações de graças
Salmos 96; 105; 106

[7] Naquele dia, foi que Davi encarregou, pela primeira vez, a Asafe e a seus irmãos de celebrarem com hinos o SENHOR.

[8] Rendei graças ao SENHOR, invocai o seu nome, fazei conhecidos, entre os povos, os seus feitos.

[9] Cantai-lhe, cantai-lhe salmos; narrai todas as suas maravilhas.

[10] Gloriai-vos no seu santo nome; alegre-se o coração dos que buscam o SENHOR.

[11] Buscai o SENHOR e o seu poder, buscai perpetuamente a sua presença.

[12] Lembrai-vos das maravilhas que fez, dos seus prodígios e dos juízos dos seus lábios,

[13] vós, descendentes de Israel, seu servo, vós, filhos de Jacó, seus escolhidos.

[14] Ele é o SENHOR, nosso Deus; os seus juízos permeiam toda a terra.

Ihubo likaDavide

[7]Ngalolo suku uDavide wayeseqala ukuhlela ukuba uJehova abongwe ngesandla sika-Asafa nabafowabo.

[8] Bongani uJehova, nibize igama lakhe, nizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe.

[9]Hlabelelani kuye, nimhubele, nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke.

[10]Zibongeni egameni lakhe elingcwele; mazithokoze izinhliziyo zabamfuna uJehova.

[11]Funani uJehova namandla akhe, nifunisise ubuso bakhe njalo.

[12] Khumbulani izimangaliso zakhe azenzileyo, nezibonakaliso zakhe, nezahlulelo zomlomo wakhe,

[13]nina nzalo ka-Israyeli, inceku yakhe, nina bantwana bakaJakobe, abakhethiweyo bakhe.

[14]Yena unguJehova uNkulunkulu wethu; izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke.

[15] Lembra-se perpetuamente da sua aliança, da palavra que empenhou para mil gerações;
[16] da aliança que fez com Abraão e do juramento que fez a Isaque;
[17] o qual confirmou a Jacó por decreto e a Israel, por aliança perpétua,
[18] dizendo: Dar-vos-ei a terra de Canaã como quinhão da vossa herança.
[19] Então, eram eles em pequeno número, pouquíssimos e forasteiros nela;
[20] andavam de nação em nação, de um reino para um povo.
[21] A ninguém permitiu que os oprimisse; antes, por amor deles, repreendeu a reis,
[22] dizendo: Não toqueis nos meus ungidos, nem maltrateis os meus profetas.
[23] Cantai ao SENHOR, todas as terras; proclamai a sua salvação, dia após dia.
[24] Anunciai entre as nações a sua glória, entre todos os povos, as suas maravilhas,
[25] porque grande é o SENHOR e mui digno de ser louvado, temível mais do que todos os deuses.
[26] Porque todos os deuses dos povos são ídolos; o SENHOR, porém, fez os céus.
[27] Glória e majestade estão diante dele, força e formosura, no seu santuário.

[15]Khumbulani isivumelwano sakhe kuze kube phakade, izwi ayala ngalo izizukulwane eziyinkulungwane,
[16] avumelana kuso no-Abrahama, nesifungo sakhe ku-Isaka;
[17]wasiqinisa kuJakobe, saba ngumthetho, naku-Israyeli, saba yisivumelwano esiphakade,
[18] ethi: Ngizakukunika izwe laseKhanani libe yisabelo sefa lakho,
[19]lapho naniyingcosana ngomumo, yebo, lapho naniyingcosana, futhi naniyizihambi kulo.
[20]Bazulazula ezizweni ngezizwe, besuka kulo mbuso, beya kwabanye abantu.
[21] Akavumelanga muntu ukubahlupha, wajezisa amakhosi ngenxa yabo,
[22]ethi: Ningathinti abagcotshiweyo bami, ningoni abaprofethi bami.
[23] Hlabelelani kuJehova, mhlaba wonke, nimemeze insindiso yakhe imihla ngemihla.
[24]Landani inkazimulo yakhe phakathi kwabezizwe, izimangaliso zakhe phakathi kwabantu bonke.
[25] Ngokuba mkhulu uJehova, udumisekile kakhulu; uyesabeka phezu kwabo bonke onkulunkulu.
[26]Ngokuba bonke onkulunkulu babezizwe bayizithombe, kepha uJehova walenza izulu.
[27]Udumo nobukhosi kusebusweni bakhe; amandla nokuthokoza kusendaweni yakhe.

[28] Tributai ao SENHOR, ó famílias dos povos, tributai ao SENHOR glória e força.
[29] Tributai ao SENHOR a glória devida ao seu nome; trazei oferendas e entrai nos seus átrios; adorai o SENHOR na beleza da sua santidade.

[30] Tremei diante dele, todas as terras, pois ele firmou o mundo para que não se abale.

[31] Alegrem-se os céus, e a terra exulte; diga-se entre as nações: Reina o SENHOR.

[32] Ruja o mar e a sua plenitude; folgue o campo e tudo o que nele há.

[33] Regozijem-se as árvores do bosque na presença do SENHOR, porque vem a julgar a terra.
[34] Rendei graças ao SENHOR, porque ele é bom; porque a sua misericórdia dura para sempre.
[35] E dizei: Salva-nos, ó Deus da nossa salvação, ajunta-nos e livra-nos das nações, para que rendamos graças ao teu santo nome e nos gloriemos no teu louvor.
[36] Bendito seja o SENHOR, Deus de Israel, desde a eternidade até a eternidade. E todo o povo disse: Amém! E louvou ao SENHOR.

Outros dispositivos para o culto

[37] Então, Davi deixou ali diante da arca da Aliança do SENHOR a Asafe e a seus irmãos, para ministrarem continuamente perante ela, segundo se ordenara para cada dia;
[38] também deixou a Obede-Edom com seus irmãos, em número de sessenta e oito; a

[28]Mnikeni uJehova nina mindeni yabantu, mnikeni uJehova inkazimulo namandla.
[29] Mnikeni uJehova inkazimulo yegama lakhe, nilethe umnikelo, nize phambi kwakhe, nikhuleke kuJehova ngobuhle bobungcwele.
[30]Thuthumelani ebusweni bakhe, mhlaba wonke; izwe lihlala liqinile, alinakushukunyiswa.
[31] Malijabule izulu, umhlaba uthokoze; makuthiwe ezizweni: UJehova uyinkosi.
[32] Maluhlokome ulwandle nokugcwala kwalo, amasimu ename nakho konke okukuwo.
[33]Khona imithi yehlathi iyakuhuba ngokujabula ebusweni bukaJehova, ngokuba uyeza ukwahlulela umhlaba.

[34] Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

[35] Thanini: Sisindise, Nkulunkulu wokusindiswa kwethu, usibuthe, usophule kwabezizwe ukuba sidumise igama lakho elingcwele, sethabe ekukudumiseni.
[36] Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, kusukela phakade kuze kube phakade. Bonke abantu bathi: Amen, bamdumisa uJehova.

[37]Wayeseshiya khona ngaphambi komphongolo wesivumelwano sikaJehova u-Asafa nabafowabo ukuba bakhonze phambi komphongolo njalo ngokomsebenzi wemihla ngemihla,
[38]kanye no-Obede Edomi nabafowabo abangamashumi ayisithupha

Obede-Edom, filho de Jedutum, e a Hosa, para serem porteiros;

[39] e deixou a Zadoque, o sacerdote, e aos sacerdotes, seus irmãos, diante do tabernáculo do SENHOR, num lugar alto de Gibeão,

[40] para oferecerem continuamente ao SENHOR os holocaustos sobre o altar dos holocaustos, pela manhã e à tarde; e isto segundo tudo o que está escrito na Lei que o SENHOR ordenara a Israel.

[41] E com eles deixou a Hemã, a Jedutum e os mais escolhidos, que foram nominalmente designados para louvarem o SENHOR, porque a sua misericórdia dura para sempre.

[42] Com eles, pois, estavam Hemã e Jedutum, que faziam ressoar trombetas, e címbalos, e instrumentos de música de Deus; os filhos de Jedutum eram porteiros.

[43] Então, se retirou todo o povo, cada um para sua casa; e tornou Davi, para abençoar a sua casa.

1 Crônicas 17

A aliança do Senhor com Davi
2 Samuel 7.1-17

[1] Sucedeu que, habitando Davi em sua própria casa, disse ao profeta Natã: Eis que moro em casa de cedros, mas a arca da Aliança do SENHOR se acha numa tenda.

nesishiyagalombili u-Obede Edomi indodana kaJeduthuni noHosa babe ngabalindisango

[39]noSadoki umpristi nabafowabo abapristi ngaphambi kwetabernakele likaJehova endaweni ephakemeyo eyayiseGibeyoni

[40] ukuba banikele njalo ngeminikelo yokushiswa phezu kwe-altare lomnikelo wokushiswa ekuseni nakusihlwa njengakho konke okulotshiweyo emthethweni kaJehova ayala ngawo u-Israyeli,

[41]bekanye nabo oHemani noJeduthuni nensali yabakhethiweyo abakhonjwa ngamagama ukuba bambonge uJehova, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

[42]kwakukhona kubo, oHemani noJeduthuni, amacilongo namasimbali alabo abayakuwakhalisa, nezinto zokubethwa kuNkulunkulu; amadodana kaJeduthuni ayengasesangweni.

[43] Base behamba baya, kwaba yilowo nalowo endlini yakhe; uDavide wabuya ukubusisa indlu yakhe.

1 iziKronike 17

Inhloso kaDavide yokwakha ithempeli

[1] Kwathi lapho uDavide esehlezi endlini yakhe, uDavide wathi kuNathani umprofethi: Bheka, mina ngihlala endlini yemisedari, kepha umphongolo wesivumelwano sikaJehova uphansi kwezilenge.

[2] Então, Natã disse a Davi: Faze tudo quanto está no teu coração, porque Deus é contigo.

[3] Porém, naquela mesma noite, veio a palavra do SENHOR a Natã, dizendo:

[4] Vai e dize a meu servo Davi: Assim diz o SENHOR: Tu não edificarás casa para minha habitação;

[5] porque em casa nenhuma habitei, desde o dia que fiz subir a Israel até ao dia de hoje; mas tenho andado de tenda em tenda, de tabernáculo em tabernáculo.

[6] Em todo lugar em que andei com todo o Israel, falei, acaso, alguma palavra com algum dos seus juízes, a quem mandei apascentar o meu povo, dizendo: Por que não me edificais uma casa de cedro?

[7] Agora, pois, assim dirás ao meu servo Davi: Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Tomei-te da malhada e de detrás das ovelhas, para que fosses príncipe sobre o meu povo de Israel.

[8] E fui contigo, por onde quer que andaste, eliminei os teus inimigos de diante de ti e fiz grande o teu nome, como só os grandes têm na terra.

[9] Prepararei lugar para o meu povo de Israel e o plantarei para que habite no seu lugar e não mais seja perturbado; e jamais

[2]UNathani wathi kuDavide: Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe.

[3]Kepha kwathi ngalobo busuku izwi likaNkulunkulu lafika kuNathani, lathi:

[4] Hamba utshele uDavide inceku yami ukuthi: Usho kanje uJehova, uthi: Awuyikungakhela indlu ukuba ngihlale kuyo,

[5]ngokuba angihlalanga ndlu kusukela osukwini engakhuphula ngalo u-Israyeli kuze kube namuhla, kepha ngangisematendeni, nasematabernakele ngamatabernakele.

[6]Ezindaweni zonke engihambahambe kuzo naye wonke u-Israyeli ngake ngakhuluma yini izwi nakoyedwa wabahluleli bakwa-Israyeli engabayala ukuba baluse abantu bami, ngathi: Aningakhelanga ngani indlu yemisedari na?

[7] Ngalokho uyakusho kanje encekwini yami uDavide, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Mina ngakuthatha edlelweni ekwaluseni izimvu ukuba ube ngumbusi wabantu bami u-Israyeli;

[8]nganginawe nomaphi lapho wawuya khona, nganquma zonke izitha zakho ngaphambi kwakho; ngiyakukwenza igama njengamagama abakhulu abasemhlabeni.

[9]Ngiyakumisela abantu bami u-Israyeli indawo, ngibatshale ukuba bahlale endaweni yabo, bangabe besanyakaziswa;

os filhos da perversidade o oprimam, como dantes,

10 desde o dia em que mandei houvesse juízes sobre o meu povo de Israel; porém abati todos os teus inimigos e também te fiz saber que o SENHOR te edificaria uma casa.

11 Há de ser que, quando teus dias se cumprirem, e tiveres de ir para junto de teus pais, então, farei levantar depois de ti o teu descendente, que será dos teus filhos, e estabelecerei o seu reino.

12 Esse me edificará casa; e eu estabelecerei o seu trono para sempre.

13 Eu lhe serei por pai, e ele me será por filho; a minha misericórdia não apartarei dele, como a retirei daquele que foi antes de ti.

14 Mas o confirmarei na minha casa e no meu reino para sempre, e o seu trono será estabelecido para sempre.

15 Segundo todas estas palavras e conforme toda esta visão, assim falou Natã a Davi.

Ações de graças de Davi

2 Samuel 7.18-29

16 Então, entrou o rei Davi na Casa do SENHOR, ficou perante ele e disse: Quem sou eu, SENHOR Deus, e qual é a minha casa, para que me tenhas trazido até aqui?

17 Foi isso ainda pouco aos teus olhos, ó Deus, de maneira que também falaste a respeito da casa de teu servo para tempos

futhi abantu ababi abasayikubachitha njengakuqala,

10kusukela emihleni engayaleza ngayo abahluleli ukuba babe phezu kwabantu bami u-Israyeli; ngiyakunqoba zonke izitha zakho. Futhi ngiyakutshela ukuthi uJehova uyakukwakhela indlu.

11Kuyakuthi lapho izinsuku zakho seziphelele ukuba uye koyihlo, ngiyakumisa inzalo yakho emva kwakho, eyakuba ngeyamadodana akho; ngiyakuqinisa umbuso wayo.

12 Yiyo eyakungakhela indlu; ngiyakuqinisa isihlalo sayo sobukhosi kuze kube phakade.

13 Mina ngiyakuba nguyise, yona ibe yindodana yami; angiyikuyaphuca umusa wami, njengalokho ngamaphuca owayephambi kwakho.

14Ngiyakuyiqinisa endlini yami nasembusweni wami kuze kube phakade, isihlalo sayo sobukhosi siqiniswe kuze kube phakade.

15Njengawo onke lawo mazwi nanjengawo wonke lowo mbono uNathani wakhuluma kuDavide.

Umkhuleko kaDavide

16UDavide inkosi wayesengena, wahlala phambi kukaJehova, wathi: Ngingubani, Jehova Nkulunkulu, nendlu yami iyini ukuba ungilethe kuze kube lapha na?

17Lokho kwakuyinto encane emehlweni akho, Nkulunkulu; usukhulumile ngendlu yenceku yakho isekude, wangibuka

distantes; e me trataste como se eu fosse homem ilustre, ó SENHOR Deus.

[18] Que mais ainda te poderá dizer Davi acerca das honras feitas a teu servo? Pois tu conheces bem teu servo.

[19] Ó SENHOR, por amor de teu servo e segundo o teu coração, fizeste toda esta grandeza, para tornar notórias todas estas grandes coisas!

[20] SENHOR, ninguém há semelhante a ti, e não há outro Deus além de ti, segundo tudo o que nós mesmos temos ouvido.

[21] Quem há como o teu povo de Israel, gente única na terra, a quem tu, ó Deus, foste resgatar para ser teu povo e fazer a ti mesmo um nome, com estas grandes e tremendas coisas, desterrando as nações de diante do teu povo, que remiste do Egito?

[22] Estabeleceste a teu povo de Israel por teu povo, para sempre, e tu, ó SENHOR, te fizeste o seu Deus.

[23] Agora, pois, ó SENHOR, a palavra que disseste acerca de teu servo e acerca da sua casa, seja estabelecida para sempre; e faze como falaste.

[24] Estabeleça-se, e seja para sempre engrandecido o teu nome, e diga-se: O SENHOR dos Exércitos é o Deus de Israel, é Deus para Israel; e a casa de Davi, teu servo, será estabelecida diante de ti.

kungathi ngingumuntu ophakemeyo, Jehova Nkulunkulu.

[18] UDavide angenezela ngokuthini kuwe ngodumo inceku yakho elwenzelweyo na? Wena uyayazi inceku yakho.

[19]Jehova, ngenxa yenceku yakho nanjengokwenhliziyo yakho wenzile konke lokho okukhulu ukuba kwaziswe bonke lobu bukhulu.

[20] Jehova, akakho onjengawe, akukho Nkulunkulu ngaphandle kwakho njengakho konke esikuzwileyo ngezindlebe zethu.

[21] Yisiphi isizwe emhlabeni esinjengabantu bakho u-Israyeli, uNkulunkulu aya ukuzihlengela bona babe ngabantu bakhe, ukukwenzela igama ngezinto ezinkulu nezesabekayo ngokuxosha abezizwe ebusweni babantu bakho owabahlenga eGibithe, na?

[22]Ngokuba abantu bakho u-Israyeli wabenza babe ngabantu bakho kuze kube phakade, wena Jehova ube nguNkulunkulu wabo.

[23] Manje, Jehova, izwi olikhulumile ngenceku yakho nangendlu yayo kuze kube phakade maliqiniswe, wenze njengokukhuluma kwakho.

[24]Maliqiniseke, libe likhulu igama lakho kuze kube phakade, ukuze kuthiwe: UJehova Sebawoti unguNkulunkulu ka-Israyeli, yebo, uNkulunkulu ka-Israyeli, nendlu kaDavide inceku yakho iqinisiwe phambi kwakho.

[25] Pois tu, Deus meu, fizeste ao teu servo a revelação de que lhe edificarias casa. Por isso, o teu servo se animou para fazer-te esta oração.

[26] Agora, pois, ó SENHOR, tu mesmo és Deus e prometeste a teu servo este bem.

[27] Sê, pois, agora, servido de abençoar a casa de teu servo, a fim de permanecer para sempre diante de ti, pois tu, ó SENHOR, a abençoaste, e abençoada será para sempre.

1 Crônicas 18

Diversas vitórias de Davi
2 Samuel 8.1-14

[1] Depois disto, feriu Davi os filisteus e os humilhou; tomou a Gate e suas aldeias das mãos dos filisteus.

[2] Também derrotou os moabitas, e assim ficaram por servos de Davi e lhe pagavam tributo.

[3] Também Hadadezer, rei de Zoba, foi derrotado por Davi, até Hamate, quando aquele foi restabelecer o seu domínio sobre o rio Eufrates.

[4] Tomou-lhe Davi mil carros, sete mil cavaleiros e vinte mil homens de pé; Davi jarretou a todos os cavalos dos carros, menos para cem deles.

[25] Ngokuba wena Nkulunkulu wami wambulele endlebeni yenceku yakho ukuthi uyakuyakhela indlu; ngalokho inceku yakho ifike kulokhu ukuba ikhuleke phambi kwakho.

[26]Manje, Jehova, wena unguNkulunkulu, ukhulumile lokho okuhle encekwini yakho;

[27]kalokhu mawuvume ukubusisa indlu yenceku yakho ukuba ibe sebusweni bakho kuze kube phakade, ngokuba okubusisile wena Jehova kuyahlala kubusisekile kuze kube phakade.

1 iziKronike 18

Ukunqoba kukaDavide

[1] Kwathi emva kwalokho uDavide wawashaya amaFilisti, wawahlula, walithatha iGati nemizana yalo esandleni samaFilisti.

[2] Wanqoba noMowabi; abakwaMowabi baba yizinceku zikaDavide, bathela intela.

[3]UDavide washaya noHadarezeri, inkosi yaseSoba ngaseHamati, ekuhambeni kwakhe ukuqinisa isandla sakhe ngasemfuleni u-Ewufrathe.

[4] UDavide wamaphuca izinqola eziyinkulungwane, nabamahhashi abayizinkulungwane eziyisikhombisa, nemigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amabili; uDavide wanquma imisipha yawo onke amahhashi ezinqola, washiya awezinqola eziyikhulu kodwa.

[5] Vieram os siros de Damasco a socorrer a Hadadezer, rei de Zoba; porém Davi matou dos siros vinte e dois mil homens.

[5]Ama-Aramu aseDamaseku esefika ukumsiza uHadarezeri inkosi yaseSoba, uDavide wabulala kuma-Aramu abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili.

[6] Davi pôs guarnições na Síria de Damasco, e os siros ficaram por servos de Davi e lhe pagavam tributo; e o SENHOR dava vitórias a Davi, por onde quer que ia.

[6]UDavide wamisa amakhanda e-Aramu laseDamaseku; ama-Aramu aba yizinceku zikaDavide, athela intela. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi lapho eya khona.

[7] Tomou Davi os escudos de ouro que havia com os oficiais de Hadadezer e os trouxe a Jerusalém.

[7]UDavide wathatha izihlangu zegolide ezazisezincekwini zikaHadarezeri, waziletha eJerusalema.

[8] Também de Tibate e de Cum, cidades de Hadadezer, tomou Davi mui grande quantidade de bronze, de que Salomão fez o mar de bronze, as colunas e os utensílios de bronze.

[8] EThibahati naseKhuni imizi kaHadarezeri, uDavide wathatha ithusi eliningi kakhulu uSolomoni enza ngalo ulwandle lwethusi, nezinsika nezitsha zethusi.

[9] Ouvindo Toú, rei de Hamate, que Davi derrotara a todo o exército de Hadadezer, rei de Zoba,

[9]Lapho uThowu inkosi yaseHamati ezwa ukuthi uDavide ushayile yonke impi kaHadarezeri inkosi yaseSoba,

[10] mandou seu filho Hadorão ao rei Davi, para o saudar e congratular-se com ele por haver pelejado contra Hadadezer e por havê-lo ferido (porque Hadadezer fazia guerra a Toú). Hadorão trouxe consigo objetos de ouro, de prata e de bronze,

[10]wathuma uHadoramu, indodana yakhe, enkosini uDavide ukuyibingelela nokuyibusisa, ngokuba yayilwile noHadarezeri, yamnqoba, ngokuba uHadarezeri wayelokhu elwa noThowu; wathuma izinhlobo zonke zezitsha zegolide nezesiliva nezethusi.

[11] os quais também o rei Davi consagrou ao SENHOR, juntamente com a prata e ouro que trouxera de todas as mais nações: de Edom, de Moabe, dos filhos de Amom, dos filisteus e de Amaleque.

[11]Nalezo inkosi uDavide yayizingcwelisela uJehova kanye nesiliva negolide alisusa ezizweni zonke: ku-Edomi, nakuMowabi, nakubantwana bakwa-Amoni, nakumaFilisti, nakuma-Amaleki.

[12] Também Abisai, filho de Zeruia, feriu a dezoito mil edomitas no vale do Sal.

[12]U-Abishayi, indodana kaSeruya, wabulala kwabakwa-Edomi esiGodini

sikaSawoti, izinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili.

[13] E pôs guarnições em Edom, e todos os edomitas ficaram por servos de Davi; e o SENHOR dava vitórias a Davi, por onde quer que ia.

[13] Wamisa amakhanda kwa-Edomi; bonke abakwa-Edomi baba yizinceku zikaDavide. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi lapho eya khona.

Oficiais de Davi

2 Samuel 8.15-18; 20.23-26

Izinduna zikaDavide

[14] Reinou, pois, Davi sobre todo o Israel; julgava e fazia justiça a todo o seu povo.

[14]UDavide wabusa phezu kuka-Israyeli wonke, waphatha ukwahlulela nokulunga kubo bonke abantu bakhe.

[15] Joabe, filho de Zeruia, era comandante do exército; Josafá, filho de Ailude, era cronista.

[15] UJowabe indodana kaSeruya wayephezu kwempi; uJehoshafati, indodana ka-Ahiludi, wayengumabhalana;

[16] Zadoque, filho de Aitube, e Abimeleque, filho de Abiatar, eram sacerdotes; e Sausa, escrivão.

[16]uSadoki, indodana ka-Ahithubi, no-Abimeleki indodana ka-Abiyathara, babe ngabapristi; noShawusha wayengumbhali;

[17] Benaia, filho de Joiada, era o comandante da guarda real. Os filhos de Davi, porém, eram os primeiros ao lado do rei.

[17] uBenaya, indodana kaJehoyada wayephezu kwamaKhereti namaPheleti; amadodana kaDavide ayengabokuqala ngasenkosini.

1 Crônicas 19

Davi derrota os amonitas e os siros

2 Samuel 10.1-19

1 iziKronike 19

UDavide uyabulala abakwa-Amoni ngenxa yokuphathwa kabi kwezithunywa zakhe

[1] Depois disto, morreu Naás, rei dos filhos de Amom; e seu filho reinou em seu lugar.

[1] Kwathi emva kwalokho uNahashi inkosi yabantwana bakwa-Amoni wafa, indodana yakhe yaba yinkosi esikhundleni sakhe.

[2] Então, disse Davi: Usarei de bondade para com Hanum, filho de Naás, porque seu pai usou de bondade para comigo. Pelo que Davi enviou mensageiros para o consolar acerca de seu pai; e vieram os servos de Davi à terra dos filhos de Amom, a Hanum, para o consolarem.

[2]UDavide wathi: Ngiyakumenzela umusa uHanuni, indodana kaNahashi, ngokuba uyise wangenzela umusa. UDavide wayesethuma izithunywa ukumduduza ngoyise. Zafika-ke izinceku zikaDavide ezweni labantwana bakwa-Amoni kuHanuni ukumduduza.

[3] Disseram os príncipes dos filhos de Amom a Hanum: Pensas que, por te haver Davi mandado consoladores, está honrando a teu pai? Não vieram seus servos a ti para reconhecerem, destruírem e espiarem a terra?

[3]Kepha izikhulu zabantwana bakwa-Amoni zathi kuHanuni: Imbala ngokubona kwakho uthume abaduduzi kuwe ukuba atuse uyihlo na? Azifikanga yini izinceku zakhe kuwe ukuba ziphenye umuzi, ziwuchithe, ziwuhlole, na?

[4] Tomou, então, Hanum os servos de Davi, e rapou-os, e lhes cortou metade das vestes até às nádegas, e os despediu.

[4]UHanuni wayesebamba izinceku zikaDavide, waziphucula, wahina izingubo zazo phakathi, kwaze kwaba sezinqeni zazo, wazimukisa.

[5] Foram-se alguns e avisaram a Davi acerca destes homens; então, enviou mensageiros a encontrá-los, porque estavam sobremaneira envergonhados. Mandou o rei dizer-lhes: Deixai-vos estar em Jericó, até que vos torne a crescer a barba; e, então, vinde.

[5]Bahamba, bamtshela uDavide ngalawo madoda. Wathuma ukuwahlangabeza, ngokuba ayenamahloni kakhulu lawo madoda. Yathi inkosi: Hlalani eJeriko, zize zihlume izilevu zenu, bese nibuya.

[6] Vendo, pois, os filhos de Amom que se haviam tornado odiosos a Davi, então, Hanum e os filhos de Amom tomaram mil talentos de prata, para alugarem para si carros e cavaleiros da Mesopotâmia, e dos siros de Maaca, e de Zoba.

[6]Abantwana bakwa-Amoni sebebone ukuthi bazenzile ukuba banengeke kuDavide, uHanuni nabantwana bakwa-Amoni bathuma amatalenta ayinkulungwane esiliva ukuziqashela izinqola nabamahhashi e-Aramu Naharayimi, nase-Aramu Mahakha, naseSoba.

[7] Alugaram para si trinta e dois mil carros, o rei de Maaca e a sua gente, e eles vieram e se acamparam diante de Medeba; também os filhos de Amom se ajuntaram das suas cidades e vieram para a guerra.

[7]Base beziqashela izinqola eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili kanye nenkosi yaseMahakha nabantu bayo abeza ukumisa ngaphambi kweMedeba. Abantwana bakwa-Amoni babuthana ndawonye bephuma emizini yabo; baya ukulwa.

[8] O que ouvindo Davi, enviou contra eles a Joabe com todo o exército dos valentes.

[8]UDavide esezwile lokho wamthuma uJowabe nempi yonke yamaqhawe.

[9] Saíram os filhos de Amom e ordenaram a batalha à entrada da porta da cidade; porém os reis que vieram estavam à parte, no campo.

[10] Vendo, pois, Joabe que estava preparada contra ele a batalha, tanto pela frente como pela retaguarda, escolheu dentre todos o que havia de melhor em Israel e os formou em linha contra os siros;

[11] e o resto do povo entregou a Abisai, seu irmão, e puseram-se em linha contra os filhos de Amom.

[12] Disse Joabe: Se os siros forem mais fortes do que eu, tu me virás em socorro; e, se os filhos de Amom forem mais fortes do que tu, eu irei ao teu socorro.

[13] Sê forte, pois; pelejemos varonilmente pelo nosso povo e pelas cidades de nosso Deus; e faça o SENHOR o que bem lhe parecer.

[14] Então, avançou Joabe com o povo que estava com ele, e travaram peleja contra os siros; e estes fugiram de diante dele.

[15] Vendo os filhos de Amom que os siros fugiam, também eles fugiram de diante de Abisai, irmão de Joabe, e entraram na cidade; voltou Joabe dos filhos de Amom e tornou a Jerusalém.

[16] Vendo, pois, os siros que tinham sido desbaratados diante de Israel, enviaram mensageiros e fizeram sair os siros que habitavam do lado dalém do rio; Sofaque, capitão do exército de Hadadezer, marchava adiante deles.

[9]Abantwana bakwa-Amoni baphuma, bahlela impi ngasesangweni lomuzi; kepha amakhosi ayefikile ayewodwa endle.

[10]UJowabe esebona ukuthi impi ibhekene naye ngaphambili nangasemuva, wakhetha kwabakhethekileyo bonke bakwa-Israyeli, wabahlela ukuba balwe nama-Aramu;

[11]abantu abaseleyo wababeka esandleni sika-Abishayi umfowabo, bazihlela ukulwa nabantwana bakwa-Amoni.

[12]Wathi: Uma ama-Aramu engahlula, uyakungisiza; kepha uma abantwana bakwa-Amoni bekwahlula, ngiyakukusiza.

[13]Qinani, masiziqinise ngenxa yabantu bakithi nangenxa yemizi kaNkulunkulu wethu; uJehova makenze okuhle emehlweni akhe.

[14]UJowabe nabantu ababe naye base besondela kuwo ama-Aramu ukuba balwe; kepha abaleka phambi kwakhe.

[15]Lapho abantwana bakwa-Amoni bebona ukuthi ama-Aramu abalekile, babaleka nabo phambi kuka-Abishayi umfowabo, bangena emzini; kepha uJowabe waya eJerusalema.

[16]Ama-Aramu esebonile ukuthi anqotshiwe phambi kuka-Israyeli, athuma izithunywa, akhipha ama-Aramu ayephesheya koMfula noShofaki induna yempi kaHadarezeri phambi kwawo.

[17] Informado Davi, ajuntou a todo o Israel, passou o Jordão, veio ter com eles e ordenou contra eles a batalha; e, tendo Davi ordenado a batalha contra os siros, pelejaram estes contra ele.

[17]UDavide watshelwa, wabutha wonke u-Israyeli, wawela iJordani, wawafikela, wahlela impi ukulwa nawo. UDavide esehlelile impi ukulwa nama-Aramu, alwa naye.

[18] Porém os siros fugiram de diante de Israel, e Davi matou dentre os siros os homens de sete mil carros e quarenta mil homens de pé; a Sofaque, chefe do exército, matou.

[18]Ama-Aramu abaleka phambi kuka-Israyeli; uDavide wabulala kuma-Aramu izinqola eziyizinkulungwane eziyisikhombisa nemigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amane, wabulala noShofaki induna yempi.

[19] Vendo, pois, os servos de Hadadezer que foram feridos diante de Israel, fizeram paz com Davi e o serviram; e os siros nunca mais quiseram socorrer aos filhos de Amom.

[19]Lapho izinceku zikaHadarezeri zibonile ukuthi zinqotshiwe phambi kuka-Israyeli, zenza ukuthula noDavide, zamkhonza; ama-Aramu awathandanga ukusiza abantwana bakwa-Amoni futhi.

1 Crônicas 20

Davi conquista a Rabá
2 Samuel 12.26-31

[1] Decorrido um ano, no tempo em que os reis costumam sair para a guerra, Joabe levou o exército, destruiu a terra dos filhos de Amom, veio e sitiou a Rabá; porém Davi ficou em Jerusalém; e Joabe feriu a Rabá e a destruiu.

[2] Tirou Davi a coroa da cabeça do seu rei e verificou que tinha o peso de um talento de ouro e que havia nela pedras preciosas; e foi posta na cabeça de Davi; e da cidade levou mui grande despojo.

[3] Também levou o povo que estava nela e o fez passar à serra, e a picaretas de ferro,

1 iziKronike 20

Ukuvinjezelwa kweRaba. Ukulwa namaFilisti

[1] Emva komnyaka ngesikhathi sokuhlasela kwamakhosi, uJowabe wahola amaqhawe empi, wachitha izwe labantwana bakwa-Amoni, weza wavimbezela iRaba; kepha uDavide wahlala eJerusalema. UJowabe walinqoba iRaba, walidiliza.

[2]UDavide wathatha umqhele wenkosi yabo ekhanda layo, wafumana isisindo sawo ukuthi sasiyitalenta legolide, itshe eliyigugu likuwo; wabekwa ekhanda likaDavide; wakhipha emzini impango eningi kakhulu.

[3]Wakhipha nabantu ababe phakathi kwawo, wabanquma ngamasaha,

e a machados; assim fez Davi a todas as cidades dos filhos de Amom. Voltou Davi, com todo o povo, para Jerusalém.

nangezibhuqo zensimbi, nangamazembe; wenze njalo uDavide kuyo yonke imizi yabantwana bakwa-Amoni. UDavide nabo bonke abantu babuyela eJerusalema.

Gigantes mortos pelos homens de Davi
2 Samuel 21.15-22

[4] Depois disto, houve guerra em Gezer contra os filisteus; então, Sibecai, o husatita, feriu a Sipai, que era descendente dos gigantes; e os filisteus foram subjugados.

[4] Emva kwalokho kwavuka impi namaFilisti eGezeri; khona uSibekayi, umHushati, wabulala uSiphayi wamadodana amaRefa; anqotshwa.

[5] Houve ainda outra guerra contra os filisteus; e Elanã, filho de Jair, feriu a Lami, irmão de Golias, o geteu, cuja lança tinha a haste como eixo de tecelão.

[5] Kwabuye kwaba khona impi namaFilisti; u-Elihanani, indodana kaJayire, wabulala uLahimi umfowabo kaGoliyati, umGiti, oluthi lomkhonto wakhe lwalunjengogongolo lomaluki.

[6] Houve ainda outra guerra em Gate; havia ali um homem de grande estatura, tinha vinte e quatro dedos, seis em cada mão e seis em cada pé; também este descendia dos gigantes.

[6] Kwabuye kwaba khona impi eGati, lapho kwakukhona umuntu omude; iminwe yakhe nezinzwani zakhe kwakungamashumi amabili nane, isithupha esandleni sisinye, nesithupha onyaweni lulunye; naye wazalwa yiRefa.

[7] Quando ele injuriava a Israel, Jônatas, filho de Siméia, irmão de Davi, o feriu.

[7]Wameyisa u-Israyeli; ngalokho uJonathani indodana kaShimeya umfowabo kaDavide wambulala.

[8] Estes nasceram dos gigantes em Gate; e caíram pela mão de Davi e pela mão de seus homens.

[8] Labo bazalwa ngamaRefa eGati, bawa ngesandla sikaDavide nangesandla sezinceku zakhe.

1 Crônicas 21

O levantamento do censo
2 Samuel 24.1-9

[1] Então, Satanás se levantou contra Israel e incitou a Davi a levantar o censo de Israel.

[2] Disse Davi a Joabe e aos chefes do povo: Ide, levantai o censo de Israel, desde

1 iziKronike 21

Ukubalwa kwabantu nokufika kwesifo

[1] USathane wema ukulwa no-Israyeli, wavusa uDavide ukuba abale u-Israyeli.

[2]UDavide wayesethi kuJowabe nasezinduneni zabantu: Hambani nibale

Berseba até Dã; e trazei-me a apuração para que eu saiba o seu número.

3 Então, disse Joabe: Multiplique o SENHOR, teu Deus, a este povo cem vezes mais; porventura, ó rei, meu senhor, não são todos servos de meu senhor? Por que requer isso o meu senhor? Por que trazer, assim, culpa sobre Israel?

4 Porém a palavra do rei prevaleceu contra Joabe; pelo que saiu Joabe e percorreu todo o Israel; então, voltou para Jerusalém.

5 Deu Joabe a Davi o recenseamento do povo; havia em Israel um milhão e cem mil homens que puxavam da espada; e em Judá eram quatrocentos e setenta mil homens que puxavam da espada.

6 Porém os de Levi e Benjamim não foram contados entre eles, porque a ordem do rei foi abominável a Joabe.

Davi escolhe o castigo

2 Samuel 24.10-17

7 Tudo isto desagradou a Deus, pelo que feriu a Israel.

8 Então, disse Davi a Deus: Muito pequei em fazer tal coisa; porém, agora, peço-te que perdoes a iniqüidade de teu servo, porque procedi mui loucamente.

9 Falou, pois, o SENHOR a Gade, o vidente de Davi, dizendo:

u-Israyeli kusukela eBeri Sheba kuze kube kwaDani, nilethe umumo wabo kimi ukuba ngiwazi.

3UJowabe wathi: UJehova makenezele kubantu bakhe, kuphindwe kayikhulu phezu kwalokhu abayikho; kepha, nkosi yami, nkosi, abasizo izinceku zenkosi yami bonke na? Inkosi yami ifunelani le nto na? Iyakuba yicala ngani ku-Israyeli na?

4Nokho izwi lenkosi lamahlula uJowabe. UJowabe waphuma, wadabula wonke u-Israyeli, wafika eJerusalema.

5UJowabe wanika uDavide umumo wabantu ababaliweyo; wonke u-Israyeli wayeyizinkulungwane eziyinkulungwane nezinkulungwane eziyikhulu abahloma inkemba; uJuda wayeyizinkulungwane ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa.

6 Kepha oLevi noBenjamini akababalanga phakathi kwabo, ngokuba izwi lenkosi lalinengekile kuJowabe.

7Kwaba kubi emehlweni kaNkulunkulu; ngalokho washaya u-Israyeli.

8UDavide wayesethi kuNkulunkulu: Ngonile kakhulu ngalokho engikwenzileyo; kepha manje, Jehova, mawuthethelele ububi benceku yakho, ngokuba ngintumazele kakhulu.

9UJehova wayesekhuluma kuGadi, umboni kaDavide, ethi:

[10] Vai e dize a Davi: Assim diz o SENHOR: Três coisas te ofereço; escolhe uma delas, para que ta faça.

[11] Veio, pois, Gade a Davi e lhe disse: Assim diz o SENHOR: Escolhe o que queres:

[12] ou três anos de fome, ou que por três meses sejas consumido diante dos teus adversários, e a espada de teus inimigos te alcance, ou que por três dias a espada do SENHOR, isto é, a peste na terra, e o Anjo do SENHOR causem destruição em todos os territórios de Israel; vê, pois, agora, que resposta hei de dar ao que me enviou.

[13] Então, disse Davi a Gade: Estou em grande angústia; caia eu, pois, nas mãos do SENHOR, porque são muitíssimas as suas misericórdias, mas nas mãos dos homens não caia eu.

[14] Então, enviou o SENHOR a peste a Israel; e caíram de Israel setenta mil homens.

[15] Enviou Deus um anjo a Jerusalém, para a destruir; ao destruí-la, olhou o SENHOR, e se arrependeu do mal, e disse ao anjo destruidor: Basta, retira, agora, a mão. O Anjo do SENHOR estava junto à eira de Ornã, o jebuseu.

[16] Levantando Davi os olhos, viu o Anjo do SENHOR, que estava entre a terra e o céu, com a espada desembainhada na mão

[10] Hamba ukhulume kuDavide ngokuthi: UJehova usho kanje, uthi: Ngiyakubekela izinto ezintathu; khetha enye kuzo ukuba ngikwenzele yona.

[11]UGadi wayesefika kuDavide, wathi kuye: UJehova usho kanje, uthi:

[12] Zikhethele noma indlala yeminyaka emithathu, noma ukuchithwa yizitha zakho izinyanga ezintathu uficwa yinkemba yezitha zakho, noma izinsuku ezintathu zenkemba kaJehova nesifo ezweni, ingelosi kaJehova ichithe emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli. Manje zibonele izwi engiyakulibuyisela kongithumileyo.

[13]UDavide wathi kuGadi: Nginosizi kakhulu; mangiwele esandleni sikaJehova, ngokuba umusa wakhe mkhulu kakhulu; kepha esandleni somuntu mangingaweli kuso.

[14]UJehova wayesethuma isifo phezu kuka-Israyeli; kwafa kwa-Israyeli abantu abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa.

[15]UNkulunkulu wathuma ingelosi eJerusalema ukulichitha; kwathi lapho isalichitha, uJehova wabuka, wazisola ngalobo bubi, wathi engelosini echithayo: Sekwanele; buyisa isandla sakho. Ingelosi kaJehova yayimi ngasesibuyeni sika-Orinani umJebusi.

[16]UDavide wayesephakamisa amehlo akhe, wayibona ingelosi kaJehova imi emkhathini womhlaba nezulu, inenkemba

estendida contra Jerusalém; então, Davi e os anciãos, cobertos de panos de saco, se prostraram com o rosto em terra.

[17] Disse Davi a Deus: Não sou eu o que disse que se contasse o povo? Eu é que pequei, eu é que fiz muito mal; porém estas ovelhas que fizeram? Ah! SENHOR, meu Deus, seja, pois, a tua mão contra mim e contra a casa de meu pai e não para castigo do teu povo.

Davi erige um altar na eira de Ornã

2 Samuel 24.18-25

[18] Então, o Anjo do SENHOR disse a Gade que mandasse Davi subir para levantar um altar ao SENHOR, na eira de Ornã, o jebuseu.

[19] Subiu, pois, Davi, segundo a palavra de Gade, que falara em nome do SENHOR.

[20] Virando-se Ornã, viu o Anjo; e esconderam-se seus quatro filhos que estavam com ele. Ora, Ornã estava debulhando trigo.

[21] Quando Davi vinha chegando a Ornã, este olhou, e o viu e, saindo da eira, se inclinou diante de Davi, com o rosto em terra.

[22] Disse Davi a Ornã: Dá-me este lugar da eira a fim de edificar nele um altar ao SENHOR, para que cesse a praga de sobre o povo; dá-mo pelo seu devido valor.

[23] Então, disse Ornã a Davi: Tome-a o rei, meu senhor, para si e faça dela o que bem lhe parecer; eis que dou os bois para o

ehoshiweyo esandleni sayo, yelulelwe phezu kweJerusalema. UDavide namalunga bembethe izindwangu zamasaka bawa ngobuso babo.

[17]UDavide wathi kuNkulunkulu: Akusimi yini owayaleza ukuba abantu babalwe na? Yimina engonileyo; ngenze kabi kakhulu, kepha lezi zimvu zenzeni na? Isandla sakho, Jehova Nkulunkulu wami, masibe phezu kwami naphezu kwendlu kababa, singabi phezu kwabantu bakho ukubashaya ngesifo.

I-altare elisesibuyeni sika-Orinani

[18]Ingelosi kaJehova yamyala uGadi ukusho kuDavide ukuba uDavide enyuke, amisele uJehova i-altare esibuyeni sika-Orinani umJebusi.

[19]UDavide wenyuka ngezwi likaGadi alikhulumayo egameni likaJehova.

[20]U-Orinani waphenduka, wayibona ingelosi; amadodana akhe amane ayenaye acasha. U-Orinani wayebhula ukolweni.

[21]UDavide esefika ku-Orinani, u-Orinani wabuka, wambona uDavide, waphuma esibuyeni, wakhothamela uDavide, ubuso bakhe bubheke phansi.

[22]UDavide wathi ku-Orinani: Nginike indawo yalesi sibuya ukuba ngakhele uJehova i-altare kuyo: uyakunginika yona ngemali epheleleyo ukuba lesi sifo sinqamuke kubantu.

[23]U-Orinani wathi kuDavide: Zithathele yona; inkosi yami, inkosi, mayenze okuhle emehlweni ayo; bheka, ngiyakupha

holocausto, e os trilhos, para a lenha, e o trigo, para oferta de manjares; dou tudo.

24 Tornou o rei Davi a Ornã: Não; antes, pelo seu inteiro valor a quero comprar; porque não tomarei o que é teu para o SENHOR, nem oferecerei holocausto que não me custe nada.

25 Davi deu a Ornã por aquele lugar a soma de seiscentos siclos de ouro.

26 Edificou ali um altar ao SENHOR, ofereceu nele holocaustos e sacrifícios pacíficos e invocou o SENHOR, o qual lhe respondeu com fogo do céu sobre o altar do holocausto.

27 O SENHOR deu ordem ao Anjo, e ele meteu a sua espada na bainha.

O lugar do templo

28 Vendo Davi, naquele mesmo tempo, que o SENHOR lhe respondera na eira de Ornã, o jebuseu, sacrificou ali.

29 Porque o tabernáculo do SENHOR, que Moisés fizera no deserto, e o altar do holocausto estavam, naquele tempo, no alto de Gibeão.

30 Davi não podia ir até lá para consultar a Deus, porque estava atemorizado por causa da espada do Anjo do SENHOR.

1 Crônicas 22

Davi faz preparativos para edificar o templo

izinkabi zibe ngezeminikelo yokushiswa, nezibhulo zibe yizinkuni, nokolweni abe ngumnikelo wempuphu; ngikunika konke.

24Inkosi uDavide yathi ku-Orinani: Qha, ngiyakukuthenga nokukuthenga ngemali epheleleyo, ngokuba angizukumthathela uJehova okungokwakho, nginikele ngomnikelo wokushiswa ngengikuthole ngeze.

25UDavide wayesemnika u-Orinani ngendawo amashekeli angamakhulu ayisithupha egolide ngesisindo.

26 UDavide wamakhela khona uJehova i-altare, wanikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula, wambiza uJehova; wamphendula esezulwini ngomlilo e-altare lomnikelo wokushiswa.

27UJehova wayiyala ingelosi; yabuyisela inkemba yayo emgodleni wayo.

28Ngaleso sikhathi lapho uDavide esebonile ukuthi uJehova umphendulile esibuyeni sika-Orinani umJebusi, wahlaba khona.

29Ngokuba itabernakele likaJehova alenza uMose ehlane ne-altare lomnikelo wokushiswa kwakusendaweni ephakemeyo eGibeyoni ngaleso sikhathi.

30Kepha uDavide wayengenakuya phambi kwalo ukubuza kuNkulunkulu, ngokuba wagebhezelela inkemba yengelosi kaJehova.

1 iziKronike 22

UDavide ulungisela ithempeli

[1] Disse Davi: Aqui, se levantará a Casa do SENHOR Deus e o altar do holocausto para Israel.

[2] Deu ordem Davi para que fossem ajuntados os estrangeiros que estavam na terra de Israel; e encarregou pedreiros que preparassem pedras de cantaria para se edificar a Casa de Deus.

[3] Aparelhou Davi ferro em abundância, para os pregos das folhas das portas e para as junturas, como também bronze em abundância, que nem foi pesado.

[4] Madeira de cedro sem conta, porque os sidônios e tírios a traziam a Davi, em grande quantidade.

[5] Pois dizia Davi: Salomão, meu filho, ainda é moço e tenro, e a casa que se há de edificar para o SENHOR deve ser sobremodo magnificente, para nome e glória em todas as terras; providenciarei, pois, para ela o necessário; assim, o preparou Davi em abundância, antes de sua morte.

Ordens de Davi a Salomão

[6] Então, chamou a Salomão, seu filho, e lhe ordenou que edificasse casa ao SENHOR, Deus de Israel.

[7] Disse Davi a Salomão: Filho meu, tive intenção de edificar uma casa ao nome do SENHOR, meu Deus.

[8] Porém a mim me veio a palavra do SENHOR, dizendo: Tu derramaste sangue em abundância e fizeste grandes guerras; não edificarás casa ao meu nome,

[1]UDavide wathi: Le iyindlu kaJehova uNkulunkulu, leli liyi-altare lomnikelo wokushiswa ka-Israyeli.

[2] UDavide wayala ukuba babuthe bonke abafokazi ababe sezweni lakwa-Israyeli, wabeka abakhi ukubaza amatshe axhoziweyo ukuba bakhe indlu kaNkulunkulu.

[3]UDavide walungisa insimbi eningi yezipikili zezivalo zamasango nezokuhlanganisa, kanye nethusi eliningi elingenakulinganiswa,

[4]nemisedari engenakubalwa, ngokuba amaSidoni nabaseTire baletha imisedari eminingi kuDavide.

[5] UDavide wathi: USolomoni indodana yami usengumfana, usathambile, nendlu eyakwakhelwa uJehova nga iba nkulu, ibatshazwe, ibe negama nodumo emazweni onke; ngizakuyilungisela. Wayeseyilungisela kakhulu uDavide engakafi.

[6]Wayesebiza uSolomoni indodana yakhe, wamyala ukumakhela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

[7] UDavide wathi kuSolomoni indodana yakhe: Mina-ke, kwakusenhliziyweni yami ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu wami indlu.

[8] Kepha izwi likaJehova lafika kimi, lathi: Uchithile igazi eliningi, uphake izimpi ezinkulu; awuyikwakhela igama lami indlu, ngokuba uchithe igazi eliningi emhlabathini emehlweni ami;

porquanto muito sangue tens derramado na terra, na minha presença.

[9] Eis que te nascerá um filho, que será homem sereno, porque lhe darei descanso de todos os seus inimigos em redor; portanto, Salomão será o seu nome; paz e tranqüilidade darei a Israel nos seus dias.

[9]bheka, uyakuzalelwa indodana eyakuba ngumuntu wokuthula; ngiyakumnika ukuphumula ezitheni zakhe nxazonke, ngokuba igama lakhe liyakuba nguSolomoni; ukuthula nokuzola ngiyakumnika khona u-Israyeli emihleni yakhe;

[10] Este edificará casa ao meu nome; ele me será por filho, e eu lhe serei por pai; estabelecerei para sempre o trono do seu reino sobre Israel.

[10] uyakwakhela igama lami indlu; uyakuba yindodana yami, mina ngibe nguyise; ngiyakuqinisa isihlalo sobukhosi sombuso wakhe kwa-Israyeli kuze kube phakade.

[11] Agora, pois, meu filho, o SENHOR seja contigo, a fim de que prosperes e edifiques a Casa do SENHOR, teu Deus, como ele disse a teu respeito.

[11] Kalokhu, ndodana yami, uJehova makabe nawe, ube nempumelelo, wakhe indlu kaJehova uNkulunkulu wakho njengokukhuluma kwakhe kuwe.

[12] Que o SENHOR te conceda prudência e entendimento, para que, quando regeres sobre Israel, guardes a lei do SENHOR, teu Deus.

[12]Kuphela, uJehova makakuphe ukuhlakanipha nokuqonda, akuyale ngo-Israyeli ukuba ugcine umthetho kaJehova uNkulunkulu wakho.

[13] Então, prosperarás, se cuidares em cumprir os estatutos e os juízos que o SENHOR ordenou a Moisés acerca de Israel; sê forte e corajoso, não temas, não te desalentes.

[13]Khona uyakuphumelela, uma ugcina ukwenza izimiso nezahlulelo uJehova ayala ngazo uMose ngo-Israyeli; qina, ume isibindi; ungesabi, ungabi naluvalo.

[14] Eis que, com penoso trabalho, preparei para a Casa do SENHOR cem mil talentos de ouro e um milhão de talentos de prata, e bronze e ferro em tal abundância, que nem foram pesados; também madeira e pedras preparei, cuja quantidade podes aumentar.

[14] Bheka, ekuhluphekeni kwami ngilungisele indlu kaJehova amatalenta ayizinkulungwane eziyikhulu egolide, namatalenta ayizinkulungwane eziyinkulungwane esiliva, nethusi nensimbi okungenakulinganiswa, ngokuba kuningi; ngilungisile nemithi namatshe; uyakwenezela kukho.

[15] Além disso, tens contigo trabalhadores em grande número, e canteiros, e pedreiros, e carpinteiros, e peritos em toda sorte de obra

[15]Kukhona kuwe izisebenzi eziningi, ababazi, nezisebenzi zamatshe nezemithi, nabo bonke abayizingcweti emisebenzini yonke:

[16] de ouro, e de prata, e também de bronze, e de ferro, que se não pode contar. Dispõe-te, pois, e faze a obra, e o SENHOR seja contigo!

[16]eyegolide, neyesiliva, neyethusi, neyensimbi, kungenakubalwa; suka usebenze; uJehova makabe nawe.

[17] Davi deu ordem a todos os príncipes de Israel que ajudassem Salomão, seu filho, dizendo:

[17]UDavide wayala zonke izikhulu zakwa-Israyeli ukusiza uSolomoni, wathi:

[18] Porventura, não está convosco o SENHOR, vosso Deus, e não vos deu paz por todos os lados? Pois entregou nas minhas mãos os moradores desta terra, a qual está sujeita perante o SENHOR e perante o seu povo.

[18] UJehova uNkulunkulu wenu akanani na? Akaniphanga ukuphumula nxazonke na? Ngokuba unikele esandleni sami abakhileyo ezweni; izwe linyatheliwe phambi kukaJehova naphambi kwabantu bakhe.

[19] Disponde, pois, agora o coração e a alma para buscardes ao SENHOR, vosso Deus; disponde-vos e edificai o santuário do SENHOR Deus, para que a arca da Aliança do SENHOR e os utensílios sagrados de Deus sejam trazidos a esta casa, que se há de edificar ao nome do SENHOR.

[19]Kalokhu nikelani inhliziyo yenu nomphefumulo wenu ekufuneni uJehova uNkulunkulu wenu; sukani nakhe indlu engcwele kaJehova uNkulunkulu ukuba kungeniswe umphongolo wesivumelwano sikaJehova nezinto ezingcwele zikaNkulunkulu endlini eyakwakhelwa igama likaJehova.

1 Crônicas 23

Os turnos e funções dos levitas

[1] Sendo, pois, Davi já velho e farto de dias, constituiu a seu filho Salomão rei sobre Israel.

[2] Ajuntou todos os príncipes de Israel, como também os sacerdotes e levitas.

[3] Foram contados os levitas de trinta anos para cima; seu número, contados um por um, foi de trinta e oito mil homens.

1 iziKronike 23

Umumo nomsebenzi wamaLevi

[1] UDavide wayesemdala, esanelisiwe yizinsuku; wambeka uSolomoni indodana yakhe abe yinkosi kwa-Israyeli.

[2]Wabutha zonke izikhulu zakwa-Israyeli kanye nabapristi namaLevi.

[3]AmaLevi abalwa kusukela kwaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu; umumo wawo ngezinhloko

zawo, indoda ngendoda, wawuyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesishiyagalombili.

[4] Destes, havia vinte e quatro mil para superintenderem a obra da Casa do SENHOR, seis mil oficiais e juízes,

[4] Ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nane kuwona ayengawokwengamela umsebenzi wendlu kaJehova; izinkulungwane eziyisithupha zaziyizinduna nabahluleli;

[5] quatro mil porteiros e quatro mil para louvarem o SENHOR com os instrumentos que Davi fez para esse mister.

[5] izinkulungwane ezine zazingabalindisango; izinkulungwane ezine ziyakudumisa uJehova ngezinto zokubethwa engazenzayo, washo uDavide, ukuba zidumise ngazo.

[6] Davi os repartiu por turnos, segundo os filhos de Levi: Gérson, Coate e Merari.

[6] UDavide wabahlukanisa ngezigaba njengamadodana kaLevi: oGereshoni, noKohati, noMerari.

[7] Filhos de Gérson: Ladã e Simei.

[7] KumaGereshoni: ngoLadani noShimeyi.

[8] Filhos de Ladã: Jeiel, o chefe, Zetã e Joel, três.

[8]Amadodana kaLadani: nguJehiyeli inhloko, noZethamu, noJoweli, bebathathu.

[9] Filhos de Simei: Selomite, Haziel e Harã, três; estes foram os chefes das famílias de Ladã.

[9]Amadodana kaShimeyi: ngoShelomoti, noHaziyeli, noHarana, bebathathu. Labo babe yizinhloko zawoyise bakaLadani.

[10] Filhos de Simei: Jaate, Ziza, Jeús e Berias; estes foram os filhos de Simei, quatro.

[10]Amadodana kaShimeyi: ngoJahati, noZina, noJewushe, noBeriya. Labo bobane babe ngamadodana kaShimeyi.

[11] Jaate era o chefe, Ziza, o segundo; mas Jeús e Berias não tiveram muitos filhos; pelo que estes dois foram contados por uma só família.

[11]UJahati wayeyinhloko, noZiza ngowesibili; kepha oJewushe noBeriya babengenamadodana amaningi; ngalokho baba yindlu inye kayise, bebalwa kanyekanye.

[12] Filhos de Coate: Anrão, Isar, Hebrom e Uziel, quatro.

[12] Amadodana kaKohati: ngo-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli, bebane.

[13] Filhos de Anrão: Arão e Moisés; Arão foi separado para servir no Santo dos Santos,

[13] Amadodana ka-Amramu: ngo-Aroni noMose; u-Aroni wahlukaniswa ukuba

ele e seus filhos, perpetuamente, e para queimar incenso diante do SENHOR, para o servir e para dar a bênção em seu nome, eternamente.

angcwelise izinto ezingcwelengcwele, yena namadodana akhe, kuze kube phakade, ukushisa impepho phambi kukaJehova, nokumkhonza, nokubusisa egameni lakhe kuze kube phakade.

14 Quanto a Moisés, homem de Deus, seus filhos foram contados entre a tribo de Levi.

14Kepha uMose, lowo muntu kaNkulunkulu, amadodana akhe abizwa ngesizwe sakwaLevi.

15 Os filhos de Moisés: Gérson e Eliézer.

15 Amadodana kaMose: ngoGereshomu no-Eliyezeri.

16 Filho de Gérson: Sebuel, o chefe.

16Amadodana kaGereshomu: nguShebuweli owayeyinhloko.

17 Filho de Eliézer: Reabias, o chefe; e não teve outros; porém os filhos de Reabias se multiplicaram grandemente.

17Amadodana ka-Eliyezeri: nguRehabiya inhloko. U-Eliyezeri wayengenawo amanye amadodana; kepha amadodana kaRehabiya ayemaningi kakhulu.

18 Filhos de Isar: Selomite, o chefe.

18Amadodana kaJisihari: nguShelomiti inhloko.

19 Filhos de Hebrom: Jerias, o chefe, Amarias, o segundo, Jaaziel, o terceiro, e Jecameão, o quarto.

19 Amadodana kaHebroni: nguJeriya inhloko, no-Amariya owesibili, noJahaziyeli owesithathu, noJekameyamu owesine.

20 Filhos de Uziel: Mica, o chefe, e Issias, o segundo.

20Amadodana ka-Uziyeli: nguMika inhloko noJishiya owesibili.

21 Filhos de Merari: Mali e Musi; filhos de Mali: Eleazar e Quis.

21Amadodana kaMerari: ngoMaheli noMushi. Amadodana kaMaheli: ngo-Eleyazare noKishi.

22 Morreu Eleazar e não teve filhos, porém filhas; e os filhos de Quis, seus irmãos, as desposaram.

22 U-Eleyazare wafa engenamadodana, enamadodakazi odwa; abafowabo, amadodana kaKishi, bawathatha.

23 Os filhos de Musi: Mali, Éder e Jerimote, três.

23Amadodana kaMushi: ngoMaheli, no-Edere, noJeremoti, bebathathu.

24 São estes os filhos de Levi, segundo as suas famílias e chefes delas, segundo foram contados nominalmente, um por

24Yilabo ababe ngamadodana kaLevi ngezindlu zawoyise, izinhloko zawoyise, bebalwa ngomumo wamagama

um, encarregados do ministério da Casa do SENHOR, de vinte anos para cima.

25 Porque disse Davi: O SENHOR, Deus de Israel, deu paz ao seu povo e habitará em Jerusalém para sempre.

26 Assim, os levitas já não precisarão levar o tabernáculo e nenhum dos utensílios para o seu ministério.

27 Porque, segundo as últimas palavras de Davi, foram contados os filhos de Levi de vinte anos para cima.

28 O cargo deles era assistir os filhos de Arão no ministério da Casa do SENHOR, nos átrios e nas câmaras, na purificação de todas as coisas sagradas e na obra do ministério da Casa de Deus,

29 a saber, os pães da proposição, a flor de farinha para a oferta de manjares, os coscorões asmos, as assadeiras, o tostado e toda sorte de peso e medida.

30 Deviam estar presentes todas as manhãs para renderem graças ao SENHOR e o louvarem; e da mesma sorte, à tarde;

31 e para cada oferecimento dos holocaustos do SENHOR, nos sábados, nas Festas da Lua Nova e nas festas fixas,

ngezinhloko zabo, abawenza umsebenzi wenkonzo yendlu kaJehova, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu.

25 Ngokuba uDavide wathi: UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli unike abantu bakhe ukuphumula; uhlezi eJerusalema kuze kube phakade;

26 namaLevi awasayikuthwala itabernakele nazo zonke izinto zalo zenkonzo yalo.

27 Ngokuba amadodana kaLevi abalwa ngamazwi okugcina kaDavide, kusukela kwaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu.

28 Ngokuba indawo yawo yayingasesandleni samadodana ka-Aroni ukukhonza endlini kaJehova, nasemagcekeni, nasemakamelweni, nokuhlambulula zonke izinto ezingcwele, nomsebenzi wenkonzo endlini kaNkulunkulu,

29 eyezinkwa zokubukwa, neyempuphu ecolekileyo yomnikelo wempuphu, neyemiqathane engenamvubelo, neyokuphekwe ekhanzini, neyexutshanisiweyo, neyazo zonke izilinganiso nobukhulu;

30 nokuma njalo ekuseni ukubonga nokudumisa uJehova, kanjalo nakusihlwa;

31 nokunikela njalo ngayo yonke iminikelo yokushiswa kuJehova ngamasabatha, nangokwethwasa kwenyanga, nanemikhosi emisiweyo ngomumo

perante o SENHOR, segundo o número determinado;

[32] e para que tivessem a seu cargo a tenda da congregação e o santuário e atendessem aos filhos de Arão, seus irmãos, no ministério da Casa do SENHOR.

onjengomthetho wabo, phambi kukaJehova;

[32]bayakugcina imfanelo yetende lokuhlangana, nemfanelo yendawo engcwele, nemfanelo yamadodana ka-Aroni abafowabo ekukhonzeni endlini kaJehova.

1 Crônicas 24

Os turnos dos sacerdotes

[1] Quanto aos filhos de Arão, foram eles divididos por seus turnos. Filhos de Arão: Nadabe, Abiú, Eleazar e Itamar.

[2] Nadabe e Abiú morreram antes de seu pai e não tiveram filhos; Eleazar e Itamar oficiavam como sacerdotes.

[3] Davi, com Zadoque, dos filhos de Eleazar, e com Aimeleque, dos filhos de Itamar, os dividiu segundo os seus deveres no seu ministério.

[4] E achou-se que eram mais os filhos de Eleazar entre os chefes de famílias do que os filhos de Itamar, quando os dividiram; dos filhos de Eleazar, dezesseis chefes de famílias; dos filhos de Itamar, oito.

[5] Repartiram-nos por sortes, uns como os outros; porque havia príncipes do santuário e príncipes de Deus, tanto dos filhos de Eleazar como dos filhos de Itamar.

1 iziKronike 24

Izigaba zabapristi nezamaLevi

[1]Nazi izigaba zamadodana ka-Aroni: amadodana ka-Aroni: ngoNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

[2] Kepha oNadabi no-Abihu bandulela uyise ukufa, bengenabantwana; ngalokho o-Eleyazare no-Itamari kuphela babe ngabapristi.

[3] ODavide, noSadoki wamadodana ka-Eleyazare, no-Ahimeleki wamadodana ka-Itamari babahlukanisa ngezigaba zabo njengenkonzo yabo.

[4]Kwafunyaniswa emadodaneni ka-Eleyazare amadoda amaningi ayizinhloko kunasemadodaneni ka-Itamari; bahlukaniswa kanje: emadodaneni ka-Eleyazare kwakukhona abayishumi nesithupha abayizinhloko zezindlu zawoyise, nasemadodaneni ka-Itamari babe yisishiyagalombili njengezindlu zawoyise.

[5]Bahlukaniswa ngenkatho, laba nalaba, ngokuba kwakukhona izikhulu zendlu engcwele nezikhulu zikaNkulunkulu emadodaneni ka-Eleyazare nasemadodaneni ka-Itamari.

[6] Semaías, escrivão, filho de Natanael, levita, registrou-os na presença do rei, dos príncipes, do sacerdote Zadoque, de Aimeleque, filho de Abiatar, e dos cabeças das famílias dos sacerdotes e dos levitas; sendo escolhidas as famílias, por sorte, alternadamente, para Eleazar e para Itamar.

[7] Saiu a primeira sorte a Jeoiaribe; a segunda, a Jedaías;

[8] a terceira, a Harim; a quarta, a Seorim;

[9] a quinta, a Malquias; a sexta, a Miamim;

[10] a sétima, a Hacoz; a oitava, a Abias;

[11] a nona, a Jesua; a décima, a Secanias;

[12] a undécima, a Eliasibe; a duodécima, a Jaquim;

[13] a décima terceira, a Hupá; a décima quarta, a Jesebeabe;

[14] a décima quinta, a Bilga; a décima sexta, a Imer;

[15] a décima sétima, a Hezir; a décima oitava, a Hapises;

[16] a décima nona, a Petaías; a vigésima, a Jeezquel;

[17] a vigésima primeira, a Jaquim; a vigésima segunda, a Gamul;

[18] a vigésima terceira, a Delaías; a vigésima quarta, a Maazias.

[6]UShemaya, indodana kaNethaneli, umbhali ongowamaLevi, wabaloba phambi kwenkosi, nezikhulu, noSadoki, nezikhulu, noSadoki umpristi, no-Ahimeleki indodana ka-Abiyathara, nezinhloko zawoyise babapristi namaLevi; enye indlu yawoyise yakhishelwa u-Eleyazare, nenye yakhishelwa u-Itamari.

[7]Inkatho yokuqala yadla uJehoyaribi, neyesibili uJedaya,

[8]neyesithathu uHarimi, neyesine uSehorimi,

[9]neyesihlanu uMalikhiya, neyesithupha uMijamini,

[10] neyesikhombisa uHakhosi, neyesishiyagalombili u-Abiya,

[11]neyesishiyagalolunye uJeshuwa, neyeshumi uShekaniya,

[12]neyeshumi nanye u-Eliyashibi, neyeshumi nambili uJakimi,

[13]neyeshumi nantathu uHupha, neyeshumi nane uJeshebeyabe,

[14]neyeshumi nanhlanu uBiliga, neyeshumi nesithupha u-Imeri,

[15]neyeshumi nesikhombisa uHeziri, neyeshumi nesishiyagalombili uHaphisesi,

[16]neyeshumi nesishiyagalolunye uPhethahiya, neyamashumi amabili uJehezekeli,

[17]neyamashumi amabili nanye uJakini, neyamashumi amabili nambili uGamuli,

[18]neyamashumi amabili nantathu uDelaya, neyamashumi amabili nane uMahaziya.

[19] O ofício destes no seu ministério era entrar na Casa do SENHOR, segundo a maneira estabelecida por Arão, seu pai, como o SENHOR, Deus de Israel, lhe ordenara.

[20] Eis os chefes do restante dos filhos de Levi: dos filhos de Anrão, Subael; dos filhos de Subael, Jedias;

[21] dos filhos de Reabias, Issias, o chefe;

[22] dos isaritas, Selomite; dos filhos de Selomite, Jaate;

[23] dos filhos de Hebrom, Jerias, o primeiro, Amarias, o segundo, Jaaziel, o terceiro, Jecameão, o quarto;

[24] dos filhos de Uziel, Mica; dos filhos de Mica, Samir;

[25] o irmão de Mica, Issias; dos filhos de Issias, Zacarias;

[26] dos filhos de Merari, Mali e Musi; dos filhos de Jaazias, Beno;

[27] dos filhos de Merari, da parte de Jaazias: Beno, Soão, Zacur e Ibri;

[28] de Mali, Eleazar, que não teve filhos;

[29] dos filhos de Quis, Jerameel;

[30] dos filhos de Musi, Mali, Éder e Jerimote. Foram estes os filhos dos levitas, segundo as suas famílias.

[19]Lezo zaziyizigaba zabo njengenkonzo yabo ukuba bangene endlini kaJehova njengomthetho ababewunikwe ngesandla sika-Aroni uyise, njengalokho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ebemyalile.

[20]Abaseleyo emadodaneni kaLevi babe yilaba: emadodaneni ka-Amramu nguShubayeli; emadodaneni kaShubayeli nguJehedeya.

[21]KuRehabiya: emadodaneni kaRehabiya: nguJishiya inhloko.

[22]KumaJisihari: nguShelomoti; emadodaneni kaShelomoti: nguJahati.

[23] Amadodana kaHebroni: nguJeriya inhloko, no-Amariya owesibili, noJahaziyeli owesithathu, noJekameyamu owesine.

[24]Amadodana ka-Uziyeli: nguMika; emadodaneni kaMika: nguShamiri.

[25]Umfowabo kaMika: nguJishiya; emadodaneni kaJishiya: nguZakariya.

[26]Amadodana kaMerari: ngoMaheli noMushi; amadodana kaJahaziya: nguBeno.

[27]Amadodana kaMerari: ngoJahaziya, noBeno, noShohamu, noZakuri, no-Ibiri.

[28]KuMaheli: ngu-Eleyazare, owayengenabantwana.

[29]KuKishi, kungamadodana kaKishi: nguJerameli.

[30]Amadodana kaMushi: ngoMaheli, no-Edere, noJerimoti. Yilabo ababe ngamadodana amaLevi ngezindlu zawoyise.

[31] Também estes, tanto os chefes das famílias como os seus irmãos menores, como fizeram os outros seus irmãos, filhos de Arão, lançaram sortes na presença do rei Davi, de Zadoque, de Aimeleque e dos cabeças das famílias dos sacerdotes e dos levitas.

1 Crônicas 25

Função dos cantores

[1] Davi, juntamente com os chefes do serviço, separou para o ministério os filhos de Asafe, de Hemã e de Jedutum, para profetizarem com harpas, alaúdes e címbalos. O rol dos encarregados neste ministério foi:

[2] dos filhos de Asafe: Zacur, José, Netanias e Asarela, filhos de Asafe, sob a direção deste, que exercia o seu ministério debaixo das ordens do rei.

[3] Quanto à família de Jedutum, os filhos: Gedalias, Zeri, Jesaías, Hasabias e Matitias, seis, sob a direção de Jedutum, seu pai, que profetizava com harpas, em ações de graças e louvores ao SENHOR.

[4] Quanto à família de Hemã, os filhos: Buquias, Matanias, Uziel, Sebuel, Jerimote, Hananias, Hanani, Eliata, Gidalti, Romanti-Ézer, Josbecasa, Maloti, Hotir e Maaziote.

[31] Nalabo benza inkatho njengabafowabo, amadodana ka-Aroni, ebusweni bukaDavide inkosi, noSadoki, no-Ahimeleki, nezinhloko zawoyise babapristi namaLevi, inhloko yawoyise njengomfowabo omncane.

1 iziKronike 25

Izigaba zabahlabeleli basethempelini

[1]UDavide nezinduna zempi base bahlukanisela inkonzo amanye amadodana ka-Asafa, nakaHemani, nakaJeduthuni, ayeyakuprofetha ngamahabhu, nangezingubhu, nangamasimbali; umumo wabantu balo msebenzi wenkonzo wawunje:

[2]emadodaneni ka-Asafa: ngoZakuri, noJosefa, noNethaniya, no-Asharela, amadodana ka-Asafa, phansi kwezandla zika-Asafa owaprofetha ngezandla zenkosi.

[3]KuJeduthuni: amadodana kaJeduthuni: ngoGedaliya, noSeri, noJeshaya, noShimeyi, noHashabiya, noMatithiya, bebayisithupha, phansi kwezandla zikayise uJeduthuni owaprofetha ngehabhu ngokubonga nangokudumisa uJehova.

[4]KuHemani: amadodana kaHemani: ngoBukiya, noMathaniya, no-Uziyeli, noShebuweli, noJerimoti, noHananiya, noHanani, no-Eliyatha, noGidaliti, noRomamiti Ezeri, noJoshibekasha, noMaloti, noHothiri, noMahaziyoti;

[5] Todos estes foram filhos de Hemã, o vidente do rei e cujo poder Deus exaltou segundo as suas promessas, dando-lhe catorze filhos e três filhas.

[5]bonke labo babe ngamadodana kaHemani umboni wenkosi ngamazwi kaNkulunkulu okuphakamisa uphondo lwakhe; uNkulunkulu wamnika uHemani amadodana ayishumi nane namadodakazi amathathu.

[6] Todos estes estavam sob a direção respectivamente de seus pais, para o canto da Casa do SENHOR, com címbalos, alaúdes e harpas, para o ministério da Casa de Deus, estando Asafe, Jedutum e Hemã debaixo das ordens do rei.

[6]Onke lawo ayephansi kwezandla zikayise ekuhlabeleleni endlini kaJehova ngamasimbali, nangezingubhu, nangamahabu enkonzweni yasendlini kaNkulunkulu, o-Asafa noJeduthuni noHemani bephansi kwezandla zenkosi.

[7] O número deles, juntamente com seus irmãos instruídos no canto do SENHOR, todos eles mestres, era de duzentos e oitenta e oito.

[7]Umumo wabo kanye nabafowabo ababefundisiwe ukuhlabelela kuJehova nabayizazi wawungamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalombili.

[8] Deitaram sortes para designar os deveres, tanto do pequeno como do grande, tanto do mestre como do discípulo.

[8] Benza inkatho ngenkonzo, omunye ngomunye, omncane njengomkhulu, isazi nomfundi.

[9] A primeira sorte tocou à família de Asafe e saiu a José; a segunda, a Gedalias, que, com seus irmãos e seus filhos, eram doze ao todo.

[9]Inkatho yokuqala yadla uJosefa ka-Asafa, neyesibili uGedaliya; yena nabafowabo namadodana akhe babe yishumi nambili;

[10] A terceira, a Zacur, seus filhos e seus irmãos, doze.

[10]eyesithathu uZakuri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[11] A quarta, a Izri, seus filhos e seus irmãos, doze.

[11]eyesine uJisiri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[12] A quinta, a Netanias, seus filhos e seus irmãos, doze.

[12]eyesihlanu uNethaniya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[13] A sexta, a Buquias, seus filhos e seus irmãos, doze.

[13]eyesithupha uBukiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[14] A sétima, a Jesarela, seus filhos e seus irmãos, doze.

[14]eyesikhombisa uJesharela, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[15] A oitava, a Jesaías, seus filhos e seus irmãos, doze.

[16] A nona, a Matanias, seus filhos e seus irmãos, doze.

[17] A décima, a Simei, seus filhos e seus irmãos, doze.

[18] A undécima, a Azarel, seus filhos e seus irmãos, doze.

[19] A duodécima, a Hasabias, seus filhos e seus irmãos, doze.

[20] A décima terceira, a Subael, seus filhos e seus irmãos, doze.

[21] A décima quarta, a Matitias, seus filhos e seus irmãos, doze.

[22] A décima quinta, a Jerimote, seus filhos e seus irmãos, doze.

[23] A décima sexta, a Hananias, seus filhos e seus irmãos, doze.

[24] A décima sétima, a Josbecasa, seus filhos e seus irmãos, doze.

[25] A décima oitava, a Hanani, seus filhos e seus irmãos, doze.

[26] A décima nona, a Maloti, seus filhos e seus irmãos, doze.

[15]eyesishiyagalombili uJeshaya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[16]eyesishiyagalolunye uMathaniya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[17]eyeshumi uShimeyi, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[18]eyeshumi nanye u-Azareli, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[19]eyeshumi nambili uHashabiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[20]eyeshumi nantathu uShubayeli, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[21]eyeshumi nane uMatithiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[22]eyeshumi nanhlanu uJeremoti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[23]eyeshumi nesithupha uHananiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[24]eyeshumi nesikhombisa uJoshibekasha, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[25]eyeshumi nesishiyagalombili uHanani, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[26]eyeshumi nesishiyagalolunye uMaloti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[27] A vigésima, a Eliata, seus filhos e seus irmãos, doze.

[28] A vigésima primeira, a Hotir, seus filhos e seus irmãos, doze.

[29] A vigésima segunda, a Gidalti, seus filhos e seus irmãos, doze.

[30] A vigésima terceira, a Maaziote, seus filhos e seus irmãos, doze.

[31] A vigésima quarta, a Romanti-Ézer, seus filhos e seus irmãos, doze.

[27]eyamashumi amabili u-Eliyatha, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[28]eyamashumi amabili nanye uHothiri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[29]eyamashumi amabili nambili uGidaliti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[30]eyamashumi amabili nantathu uMahaziyoti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

[31]eyamashumi amabili nane uRomamiti Ezeri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili.

1 Crônicas 26

Os porteiros

[1] Quanto aos turnos dos porteiros, dos coreítas: Meselemias, filho de Coré, dos filhos de Asafe.

[2] Os filhos de Meselemias: Zacarias, o primogênito, Jediael, o segundo, Zebadias, o terceiro, Jatniel, o quarto,

[3] Elão, o quinto, Joanã, o sexto, Elioenai, o sétimo.

[4] Os filhos de Obede-Edom: Semaías, o primogênito, Jeozabade, o segundo, Joá, o terceiro, Sacar, o quarto, Natanael, o quinto.

[5] Amiel, o sexto, Issacar, o sétimo, Peuletai, o oitavo; porque Deus o tinha abençoado.

1 iziKronike 26

Izigaba zabalindisango nabaphathi bengcebo yethempeli, nezinduna, nabahluleli

[1]Izigaba zabalindisango zaziyilezi: kumaKorahi: nguMeshelemiya indodana kaKore emadodaneni ka-Asafa.

[2]UMeshelemiya wayenamadodana: nguZakariya izibulo, noJediyayeli owesibili, noZebadiya owesithathu, noJatiniyeli owesine,

[3]no-Elamu owesihlanu, noJehohanani owesithupha, no-Eliyohenayi owesikhombisa.

[4]U-Obede Edomi wayenamadodana: nguShemaya izibulo, noJehozabadi owesibili, noJowa owesithathu, noSakari, owesine, noNethaneli owesihlanu,

[5]no-Amiyeli owesithupha, no-Isakare owesikhombisa, noPhewuletayi

owesishiyagalombili, ngokuba uNkulunkulu wambusisa.

6 Também a seu filho Semaías nasceram filhos, que dominaram sobre a casa de seu pai; porque foram homens valentes.

6Naye uShemaya indodana yakhe wazalelwa amadodana ayebusa indlu kayise, ngokuba ayengamaqhawe anamandla.

7 Os filhos de Semaías: Otni, Rafael, Obede e Elzabade, cujos irmãos Eliú e Semaquias eram homens valentes.

7Amadodana kaShemaya: ngo-Othini, noRefayeli, no-Obede, no-Elizabadi, nabafowabo ababe ngamadoda anamandla, o-Elihu noSemakiya.

8 Todos estes foram dos filhos de Obede-Edom; eles, seus filhos e seus irmãos, homens capazes e robustos para o serviço, ao todo, sessenta e dois.

8Bonke labo babe ngamadodana ka-Obede Edomi, bona namadodana abo nabafowabo, amadoda aqinileyo anamandla enkonzweni, engamashumi ayisithupha nambili ka-Obede Edomi.

9 Os filhos e os irmãos de Meselemias, homens valentes, foram dezoito.

9UMeshelemiya wayenamadodana nabafowabo, amadoda anamandla, eyishumi nesishiyagalombili.

10 De Hosa, dos filhos de Merari, foram filhos: Sinri, a quem o pai constituiu chefe, ainda que não era o primogênito.

10Naye uHosa wabantwana bakwaMerari wayenamadodana: nguShimri inhloko noma wayengesilo izibulo, uyise wambeka waba yinhloko

11 Hilquias, o segundo, Tebalias, o terceiro, Zacarias, o quarto; todos os filhos e irmãos de Hosa foram treze.

11noHilikiya owesibili, noThebaliya owesithathu, noZakariya owesine; onke amadodana nabafowabo bakaHosa babe yishumi nantathu.

12 A estes turnos dos porteiros, isto é, a seus chefes, foi entregue a guarda, para servirem, como seus irmãos, na Casa do SENHOR.

12Lezo zigaba zabalindisango, izinhloko zabantu, zaba nemfanelo yazo njengabafowabo ukukhonza endlini kaJehova.

13 Para cada porta deitaram sortes para designar os deveres tanto dos pequenos como dos grandes, segundo as suas famílias.

13 Benza inkatho yesango ngesango, omncane njengomkhulu, ngezindlu zawoyise.

[14] A guarda do lado do oriente caiu por sorte a Selemias; depois, lançaram sorte sobre seu filho Zacarias, conselheiro prudente, e lhe saiu a guarda do lado do norte;

[15] a Obede-Edom, a do lado do sul; e a seus filhos, a da casa de depósitos;

[16] a Supim e Hosa, a do ocidente, junto à porta de Salequete, na estrada que sobe; guarda correspondendo uns aos outros:

[17] ao oriente, estavam de guarda seis levitas; ao norte, quatro por dia; ao sul, quatro por dia, e, para a casa de depósitos, dois num lugar e dois noutro.

[18] No átrio ao ocidente, quatro junto ao caminho, dois junto ao átrio.

[19] São estes os turnos dos porteiros dos filhos dos coreítas e dos filhos de Merari.

Os guardas dos tesouros

[20] Dos levitas, seus irmãos, que tinham o encargo dos tesouros da Casa de Deus e dos tesouros das coisas consagradas:

[21] os filhos de Ladã, descendentes dos gersonitas pertencentes a Ladã e chefes das famílias deste, da família de Gérson: Jeieli;

[22] os filhos de Jeieli: Zetã e Joel, seu irmão; estavam estes a cargo dos tesouros da Casa do SENHOR.

[23] Dos anramitas, dos isaritas, dos hebronitas, dos uzielitas,

[24] Sebuel, filho de Gérson, filho de Moisés, era oficial encarregado dos tesouros.

[14]Inkatho yasempumalanga yadla uShelemiya. Base benza inkatho ngoZakariya indodana yakhe, umluleki ohlakaniphileyo; wadliwa yinkatho yasenyakatho.

[15]Eyaseningizimu yadla u-Obede Edomi namadodana akhe ukulinda inqolobane,

[16]eyasentshonalanga oShuphimi noHosa ngasesangweni laseShaleketi, ngasemendweni owenyukayo, abalindi ngabalindi.

[17]Ngasempumalanga ayekhona amaLevi ayisithupha, ngasenyakatho emane ngosuku, ngaseningizimu emane ngosuku, nasenqolobaneni emabili ngamabili.

[18] EParibari ngasentshonalanga ayemane emendweni, naseParibari uqobo ayemabili.

[19]Yilezo ezaziyizigaba zabalindisango emadodaneni amaKorahi nasemadodaneni kaMerari.

[20]KumaLevi u-Ahiya wayephethe ingcebo yendlu kaNkulunkulu nengcebo yezinto ezingcwele.

[21] Amadodana kaLadani, amadodana kaGereshoni akwaLadani, izinhloko zawoyise zakwaLadani umGereshoni, amaJehiyeli,

[22]amadodana amaJehiyeli, oZethamu noJoweli umfowabo, ayephethe ingcebo endlini kaJehova.

[23]Kuma-Amramu, nakumaJisihari, nakumaHebroni, nakuma-Uziyeli,

[24] uShebuweli indodana kaGereshomu kaMose wayengumphathisikhwama.

[25] Seus irmãos: de Eliézer, foi filho Reabias, de quem foi filho Jesaías, de quem foi filho Jorão, de quem foi filho Zicri, de quem foi filho Selomite.

[26] Este Selomite e seus irmãos tinham a seu cargo todos os tesouros das coisas consagradas que o rei Davi e os chefes das famílias, capitães de milhares e de centenas e capitães do exército tinham dedicado;

[27] dos despojos das guerras as dedicaram para a conservação da Casa do SENHOR,

[28] como também tudo quanto havia dedicado Samuel, o vidente, e Saul, filho de Quis, e Abner, filho de Ner, e Joabe, filho de Zeruia; tudo quanto qualquer pessoa havia dedicado estava sob os cuidados de Selomite e seus irmãos.

Os oficiais e os juízes

[29] Dos isaritas, Quenanias e seus filhos foram postos sobre Israel, para oficiais e juízes dos negócios externos;

[30] dos hebronitas, foram Hasabias e seus irmãos, homens valentes, mil e setecentos, que superintendiam Israel, além do Jordão para o ocidente, em todo serviço do SENHOR e interesses do rei;

[31] dos hebronitas, Jerias era o chefe. Quanto aos hebronitas, suas genealogias e famílias, se fizeram investigações no quadragésimo ano do reinado de Davi e se

[25] Abafowabo: ku-Eliyezeri: nguRehabiya indodana yakhe, noJeshaya indodana yakhe, noJoramu indodana yakhe, noZikiri indodana yakhe, noShelomoti indodana yakhe.

[26]Yena uShelomoti nabafowabo babephethe yonke ingcebo yezinto ezingcwele ezangcweliswa nguDavide inkosi, nezinhloko zawoyise, nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nezinduna zempi.

[27] Empini nasempangweni bakungcwelisela ukulungisa indlu kaJehova,

[28] kanye nakho konke uSamuweli umboni, noSawule indodana kaKishi, no-Abineri indodana kaNeri, noJowabe indodana kaSeruya ababekungcwelisile; yilowo nalowo owayengcwelisile okuthile, kwaba phansi kwesandla sikaShelomoti nabafowabo.

[29]KumaJisihari uKhenaniya namadodana akhe babephethe umsebenzi ongaphandle kwa-Israyeli, beyizinduna nabahluleli.

[30]KumaHebroni uHashabiya nabafowabo, amaqhawe anamandla, beyinkulungwane namakhulu ayisikhombisa, babe ngababonisi kwa-Israyeli phesheya kweJordani ngasentshonalanga emsebenzini wonke kaJehova nasenkonzweni yenkosi.

[31]KumaHebroni uJeriya wayeyinhloko, kumaHebroni njengezizukulwane zawo ngezindlu zawoyise. Ngomnyaka wamashumi amane wokubusa

acharam entre eles homens valentes em Jazer de Gileade.

[32] Seus irmãos, homens valentes, dois mil e setecentos, chefes das famílias; e o rei Davi os constituiu sobre os rubenitas, os gaditas e a meia tribo dos manassitas, para todos os negócios de Deus e para todos os negócios do rei.

1 Crônicas 27

Os turnos de serviço para cada mês

[1] São estes os filhos de Israel segundo o seu número, os chefes das famílias e os capitães de milhares e de centenas com os seus oficiais, que serviam ao rei em todos os negócios dos turnos que entravam e saíam de mês em mês durante o ano, cada turno de vinte e quatro mil.

[2] Sobre o primeiro turno do primeiro mês estava Jasobeão, filho de Zabdiel; em seu turno havia vinte e quatro mil.

[3] Era este dos filhos de Perez, chefe de todos os capitães dos exércitos para o primeiro mês.

[4] Sobre o turno do segundo mês estava Dodai, o aoíta, a cujo lado estava Miclote;

kukaDavide kwafunwa, kwafunyanwa phakathi kwawo amaqhawe anamandla eJazeri kwaGileyadi.

[32]Abafowabo, amaqhawe anamandla, babe yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisikhombisa, izinhloko zawoyise, ezenziwa ababonisi phezu kwabakwaRubeni nabakwaGadi nenxenye yesizwe sabakwaManase ezindabeni zonke zikaNkulunkulu nasezindabeni zenkosi.

1 iziKronike 27

Izinduna zempi nezezizwe. Ababonisi bengcebo namazwe enkosi. Ezinye izinduna

[1]Nampa abantwana bakwa-Israyeli ngomumo wabo, izinhloko zawoyise, nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nezinduna zabo ezazikhonza inkosi kukho konke okwezigaba, ezazingena, ziphuma inyanga ngenyanga ezinyangeni zonke zomnyaka; kuleso naleso sigaba zazikhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[2] Phezu kwesigaba sokuqala ngenyanga yokuqala kwakunguJashobehamu indodana kaZabidiyeli; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[3]Wayengowabantwana bakwaPheresi, inhloko yazo zonke izinduna zempi ngenyanga yokuqala.

[4] Phezu kwesigaba senyanga yesibili kwakunguDodayi umAhohi nesigaba sakhe; kwakukhona nombusi uMikiloti;

também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[5] O terceiro capitão do exército e o designado para o terceiro mês era Benaia, chefe, filho do sacerdote Joiada; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[6] Era este Benaia homem poderoso entre os trinta e cabeça deles; o seu turno estava ao encargo do seu filho Amizabade.

[7] O quarto, para o quarto mês, Asael, irmão de Joabe, e depois dele Zebadias, seu filho; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[8] O quinto capitão, para o quinto mês, Samute, o izraíta; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[9] O sexto, para o sexto mês, Ira, filho de Iques, o tecoíta; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[10] O sétimo, para o sétimo mês, Heles, o pelonita, dos filhos de Efraim; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[11] O oitavo, para o oitavo mês, Sibecai, o husatita, dos zeraítas; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[5] Induna yesithathu yempi ngenyanga yesithathu kwakunguBenaya indodana kaJehoyada umpristi, inhloko; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[6]Nguye lowo Benaya owayeyiqhawe labangamashumi amathathu nowayephezu kwamashumi amathathu; owesigaba sakhe kwakungu-Amizabadi indodana yakhe.

[7] Eyesine ngenyanga yesine kwakungu-Asaheli umfowabo kaJowabe noZebadiya indodana yakhe emva kwakhe; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[8]Eyesihlanu ngenyanga yesihlanu kwakunguShamhuti umJizirahi; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[9]Eyesithupha ngenyanga yesithupha kwakungu-Ira indodana ka-Ikheshi waseThekhowa; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[10]Eyesikhombisa ngenyanga yesikhombisa kwakunguHelesi umPheloni wabantwana bakwa-Efrayimi; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[11] Eyesishiyagalombili ngenyanga yesishiyagalombili kwakunguSibekayi umHushati kumaZera; esigabeni sakhe

kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[12] O nono, para o nono mês, Abiezer, o anatotita, dos benjamitas; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[12]Eyesishiyagalolunye ngenyanga yesishiyagalolunye kwakungu-Abiyezeri umAnathoti wabakwaBenjamini; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[13] O décimo, para o décimo mês, Maarai, o netofatita, dos zeraítas; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[13]Eyeshumi ngenyanga yeshumi kwakunguMaharayi waseNethofa kumaZera; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[14] O undécimo, para o undécimo mês, Benaia, o piratonita, dos filhos de Efraim; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[14]Eyeshumi nanye ngenyanga yeshumi nanye kwakunguBenaya umPirathoni wabantwana bakwa-Efrayimi; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

[15] O duodécimo, para o duodécimo mês, Heldai, o netofatita, de Otniel; também em seu turno havia vinte e quatro mil.

[15]Eyeshumi nambili ngenyanga yeshumi nambili kwakunguHelidayi waseNethofa ka-Otheniyeli; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

Os chefes das tribos

[10]Kwakungekho lutho emphongolweni, kuphela izibhebhe ezimbili zamatshe ezabekwa khona nguMose eHorebe, lapho uJehova enza isivumelwano nabantwana bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe.

[11]Kwathi lapho abapristi sebephumile endaweni engcwele ngokuba bonke abapristi ababe khona babezingcwelisile bengazigcinanga izigaba zabo,

[12] kusemi ngasempumalanga kwe-altare amaLevi, abahlabeleli bonke, kanye no-Asafa, noHemani, noJeduthuni, namadodana abo, nabafowabo, bembethe

altar, com címbalos, alaúdes e harpas, e com eles até cento e vinte sacerdotes, que tocavam as trombetas;

ilineni elicolekileyo, bephethe amasimbali, nezingubhu, namahabhu, kukhona kanye nabo abapristi abayikhulu namashumi amabili bekhalisa amacilongo

[13] e quando em uníssono, a um tempo, tocaram as trombetas e cantaram para se fazerem ouvir, para louvarem o SENHOR e render-lhe graças; e quando levantaram eles a voz com trombetas, címbalos e outros instrumentos músicos para louvarem o SENHOR, porque ele é bom, porque a sua misericórdia dura para sempre, então, sucedeu que a casa, a saber, a Casa do SENHOR, se encheu de uma nuvem;

[13] nalapho abaphethe amacilongo nabahlabeleli bezwakalisa kanyekanye izwi linye lokudumisa nokubonga uJehova, nanxa bekhalisa amacilongo namasimbali nezinto zokubethwa, bedumisa uJehova ngokuba muhle nangokuba umusa wakhe umi phakade, khona indlu yagcwaliswa yifu, yona le ndlu kaJehova,

[14] de maneira que os sacerdotes não podiam estar ali para ministrar, por causa da nuvem, porque a glória do SENHOR encheu a Casa de Deus.

[14]baze bangema abapristi ukukhonza ngenxa yefu; ngokuba inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaNkulunkulu.

2 Crônicas 6

Salomão fala ao povo

1 Reis 8.12-21

[1] Então, disse Salomão: O SENHOR declarou que habitaria em nuvem espessa!

[2] Edifiquei uma casa para tua morada, lugar para a tua eterna habitação.

[3] Voltou, então, o rei o rosto, e abençoou a toda a congregação de Israel, enquanto ela se mantinha em pé,

[4] e disse: Bendito seja o SENHOR, o Deus de Israel, que falou pessoalmente a Davi, meu pai, e pelo seu poder o cumpriu, dizendo:

2 iziKronike 6

Inkulumo nomkhuleko kaSolomoni ekuhlanjululweni kwethempeli

[1] Khona wakhuluma uSolomoni, wathi: UJehova ushilo ukuthi uyakuhlala esigayegayeni.

[2]Kepha ngikwakhele indlu yokuhlala, indawo yokuhlala kwakho kuze kube phakade.

[3]Inkosi yayisiphenduka, yalibusisa lonke ibandla lakwa-Israyeli, lonke ibandla lakwa-Israyeli lalimi.

[4]Yathi: Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owakhuluma ngomlomo wakhe kuDavide ubaba, ukugcwalisile ngesandla sakhe, ethi:

[5] Desde o dia em que eu tirei o meu povo da terra do Egito, não escolhi cidade alguma de todas as tribos de Israel, para edificar uma casa a fim de ali estabelecer o meu nome; nem escolhi homem algum para chefe do meu povo de Israel.

[6] Mas escolhi Jerusalém para que ali seja estabelecido o meu nome e escolhi a Davi para chefe do meu povo de Israel.

[7] Também Davi, meu pai, propusera em seu coração o edificar uma casa ao nome do SENHOR, o Deus de Israel.

[8] Porém o SENHOR disse a Davi, meu pai: Já que desejaste edificar uma casa ao meu nome, bem fizeste em o resolver em teu coração.

[9] Todavia, tu não edificarás a casa; porém teu filho, que descenderá de ti, ele a edificará ao meu nome.

[10] Assim, cumpriu o SENHOR a sua palavra que tinha dito, pois me levantei em lugar de Davi, meu pai, e me assentei no trono de Israel, como prometera o SENHOR; e edifiquei a casa ao nome do SENHOR, o Deus de Israel.

[11] Nela pus a arca em que estão as tábuas da aliança que o SENHOR fez com os filhos de Israel.

Salomão ora a Deus

1 Reis 8.22-53

[5] Kusukela osukwini engakhipha ngalo abantu bami u-Israyeli ezweni laseGibithe angikhethanga muzi ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukwakha indlu ukuba igama lami libe khona lapho, futhi angikhethanga muntu ukuba abe ngumbusi wabantu bami u-Israyeli,

[6]kodwa ngikhethe iJerusalema ukuba igama lami libe khona lapho, ngakhetha noDavide ukuba abe phezu kwabantu bami u-Israyeli.

[7] Kwakusenhliziyweni kaDavide ubaba ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

[8]Kepha uJehova wathi kuDavide ubaba: Njengokuba kwakusenhliziyweni yakho ukwakhela igama lami indlu, wenza kahle, ngokuba kwakusenhliziyweni yakho lokho;

[9] kepha wena awuyikwakha indlu, kodwa indodana yakho eyakuphuma okhalweni lwakho, yiyona eyakwakhela igama lami indlu.

[10] UJehova uliqinisile izwi alikhulumayo, ngokuba mina ngivelile esikhundleni sikaDavide ubaba, ngihlezi esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli njengokusho kuka Jehova, ngakhele igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

[11]Ngiwumisile lapho umphongolo okukuwo isivumelwano sikaJehova asenza nabantwana bakwa-Israyeli.

[12] Pôs-se Salomão diante do altar do SENHOR, na presença de toda a congregação de Israel, e estendeu as mãos.

[13] Porque Salomão tinha feito uma tribuna de bronze, de cinco côvados de comprimento, cinco de largura e três de altura, e a pusera no meio do pátio; pôs-se em pé sobre ela, ajoelhou-se em presença de toda a congregação de Israel, estendeu as mãos para o céu

[14] e disse: Ó SENHOR, Deus de Israel, não há Deus como tu, nos céus e na terra, como tu que guardas a aliança e a misericórdia a teus servos que de todo o coração andam diante de ti;

[15] que cumpriste para com teu servo Davi, meu pai, o que lhe prometeste; pessoalmente, o disseste e, pelo teu poder, o cumpriste, como hoje se vê.

[16] Agora, pois, ó SENHOR, Deus de Israel, faze a teu servo Davi, meu pai, o que lhe declaraste, dizendo: Não te faltará sucessor diante de mim, que se assente no trono de Israel, contanto que teus filhos guardem o seu caminho, para andarem na lei diante de mim, como tu andaste.

[12]Wema phambi kwe-altare likaJehova ebusweni balo lonke ibandla lakwa-Israyeli, welula izandla zakhe,

[13]ngokuba uSolomoni wayenzile ibhesitulu lethusi; ubude balo babuyizingalo eziyisihlanu, nobubanzi balo babuyizingalo eziyisihlanu, nokuphakama kwalo kwakuyizingalo ezintathu; walimisa phakathi negceke, wema kulo, wayeseguqa ngamadolo phambi kwalo lonke ibandla lakwa-Israyeli, welulela izandla zakhe ngasezulwini,

[14] ethi: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, akakho unkulunkulu onjengawe ezulwini noma emhlabeni, ogcina isivumelwano nomusa nezinceku zakho ezihamba phambi kwakho ngayo yonke inhliziyo yazo,

[15] ogcine nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo; yebo, owakukhuluma ngomlomo wakho usukugcwalisile ngesandla sakho njengokuba kunjalo namuhla.

[16] Ngalokho, Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, gcina nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo ukuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe emehlweni ami ukuhlala esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli, uma kuphela abantwana bakho beqaphela indlela yabo ukuba bahambe emthethweni wami, njengalokho wena uhambe phambi kwami.

[17] Agora, também, ó SENHOR, Deus de Israel, cumpra-se a tua palavra que disseste a teu servo Davi.

[18] Mas, de fato, habitaria Deus com os homens na terra? Eis que os céus e até o céu dos céus não te podem conter, quanto menos esta casa que eu edifiquei.

[19] Atenta, pois, para a oração de teu servo e para a sua súplica, ó SENHOR, meu Deus, para ouvires o clamor e a oração que faz o teu servo diante de ti.

[20] Para que os teus olhos estejam abertos dia e noite sobre esta casa, sobre este lugar, do qual disseste que o teu nome estaria ali; para ouvires a oração que o teu servo fizer neste lugar.

[21] Ouve, pois, a súplica do teu servo e do teu povo de Israel, quando orarem neste lugar; ouve do lugar da tua habitação, dos céus; ouve e perdoa.

[22] Quando alguém pecar contra o seu próximo, e lhe for exigido que jure, e ele vier a jurar diante do teu altar nesta casa,

[23] ouve tu dos céus, age e julga a teus servos, dando a paga ao perverso, fazendo recair o seu proceder sobre a sua cabeça e justificando ao justo, para lhe retribuíres segundo a sua justiça.

[24] Quando o teu povo de Israel, por ter pecado contra ti, for ferido diante do

[17]Ngalokho, Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, maliqiniseke izwi lakho owalikhuluma encekwini yakho uDavide.

[18] Kepha uNkulunkulu uyakuhlala impela nabantu emhlabeni na? Bheka, izulu nezulu lamazulu alinakukwanela; pho, kakhulu kangakanani le ndlu encane engiyakhileyo na?

[19]Mawubheke umkhuleko wenceku yakho nokunxusa kwayo, Jehova Nkulunkulu wami, uzwe ukukhala nokukhuleka, inceku yakho ekukhuleka phambi kwakho namuhla,

[20]ukuba amehlo akho avulekele le ndlu ubusuku nemini, indawo owasho ngayo ukuthi uyakubeka khona igama lakho, uze ulalele umkhuleko inceku yakho eyakuwukhuleka ibhekene nale ndawo.

[21]Kulalele ukunxusa kwenceku yakho nokwabantu bakho u-Israyeli abayakukukhuleka bebhekene nale ndawo, ukuzwe usendaweni yakho yokuhlala ezulwini, nalapho usuzwile, uthethelele.

[22] Uma umuntu ona umakhelwane wakhe, athweswe isifungo sokumfungisa, abeseza ukufunga phambi kwe-altare lakho kule ndlu,

[23]mawuzwe wena ezulwini, wenze, wahlulele izinceku zakho, kuphindiselwe konecala, ubeke indlela yakhe phezu kwekhanda lakhe, uthethelele olungileyo, umnike njengokulunga kwakhe.

[24] Uma abantu bakho u-Israyeli benqotshwa yisitha, ngokuba bonile

inimigo, e se converter, e confessar o teu nome, e orar, e suplicar diante de ti nesta casa,

25 ouve tu dos céus, e perdoa o pecado do teu povo de Israel, e faze-o voltar à terra que lhe deste e a seus pais.

26 Quando os céus se cerrarem, e não houver chuva, por ter o povo pecado contra ti, e ele orar neste lugar, e confessar o teu nome, e se converter dos seus pecados, havendo-o tu afligido,

27 ouve tu nos céus, perdoa o pecado de teus servos e do teu povo de Israel, ensinando-lhes o bom caminho em que andem, e dá chuva na tua terra que deste em herança ao teu povo.

28 Quando houver fome na terra ou peste, quando houver crestamento ou ferrugem, gafanhotos e larvas, quando o seu inimigo o cercar em qualquer das suas cidades ou houver alguma praga ou doença,

29 toda oração e súplica, que qualquer homem ou todo o teu povo de Israel fizer, conhecendo cada um a sua própria chaga e a sua dor, e estendendo as mãos para o rumo desta casa,

30 ouve tu dos céus, lugar da tua habitação, perdoa e dá a cada um segundo todos os seus caminhos, já que lhe conheces o coração, porque tu, só tu, és

kuwe, kepha bese bebuya bephindela kuwe, balivume igama lakho, bakhuleke, banxuse kuwe kule ndlu,

25 mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sabantu bakho u-Israyeli, ubabuyisele ezweni owalinika bona nawoyise.

26 Lapho izulu livaliwe, imvula ingekho, ngokuba bonile kuwe, kepha bese bekhuleka bebhekene nale ndawo, balivume igama lakho, baphenduke esonweni sabo, ngokuba uyabajezisa,

27 mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sezinceku zakho nesabantu bakho u-Israyeli, lapho ubafundisa indlela enhle abayakuhamba ngayo, uthume imvula ezweni lakho obanike abantu bakho libe yifa labo.

28 Uma kukhona indlala ezweni, noma kukhona isifo, noma kukhona ukuhamuka, nesikhutha, nesikhonyane, nemiswenya, noma izitha zabo zibavimbezela ezweni lemizi yabo, noma kuyiphi inhlupheko nasiphi isifo,

29 bese kuzwakala namuphi umkhuleko nakuphi ukunxusa noma ngumuphi umuntu noma yibo bonke abantu bakho u-Israyeli abayakwazi, kube yilowo nalowo inhlupheko yakhe nosizi lwakhe, elulele izandla zakhe kule ndlu,

30 mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, uthethelele, unike, kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe zonke, wena owaziyo inhliziyo yakhe

conhecedor do coração dos filhos dos homens;

[31] para que te temam, para andarem nos teus caminhos, todos os dias que viverem na terra que deste a nossos pais.

[32] Também ao estrangeiro que não for do teu povo de Israel, porém vier de terras remotas, por amor do teu grande nome e por causa da tua mão poderosa e do teu braço estendido, e orar, voltado para esta casa,

[33] ouve tu dos céus, do lugar da tua habitação, e faze tudo o que o estrangeiro te pedir, a fim de que todos os povos da terra conheçam o teu nome, para te temerem como o teu povo de Israel e para saberem que esta casa, que eu edifiquei, é chamada pelo teu nome.

[34] Quando o teu povo sair à guerra contra o seu inimigo, pelo caminho por que os enviares, e orarem a ti, voltados para esta cidade, que tu escolheste, e para a casa que edifiquei ao teu nome,

[35] ouve tu dos céus a sua oração e a sua súplica e faze-lhes justiça.

[36] Quando pecarem contra ti (pois não há homem que não peque), e tu te indignares contra eles e os entregares às mãos do inimigo, a fim de que os leve cativos a uma terra, longe ou perto esteja;

[37] e na terra aonde forem levados caírem em si, e se converterem, e na terra do seu cativeiro te suplicarem, dizendo: Pecamos, e perversamente procedemos, e cometemos iniqüidade; e se converterem a

ngokuba wena kuphela uyazi izinhliziyo zabantwana babantu

[31]ukuba bakwesabe, bahambe ngezindlela zakho zonke izinsuku zokuhamba kwabo ezweni owalinika obaba.

[32] Futhi owezizwe ongesiye owabantu bakho u-Israyeli, lapho evela ezweni elikude ngenxa yegama lakho elikhulu nesandla sakho esinamandla nengalo yakho eyeluliweyo, abesefika ukukhuleka kule ndlu,

[33]mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, wenze njengakho konke lo wezizwe akhala ngakho kuwe, ukuze bonke abantu bomhlaba bazi igama lakho, bakwesabe wena njengabantu bakho u-Israyeli, nokuze bazi ukuthi le ndlu engiyakhileyo ibiziwe ngegama lakho.

[34] Uma abantu bakho bephuma impi ukulwa nezitha zabo ngendlela obathuma ngayo, bese bekhuleka kuJehova bebhekene nalo muzi owukhethileyo nale ndlu engiyakhele igama lakho,

[35]mawuzwe wena ezulwini umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume.

[36] Uma bona kuwe ngokuba akukho muntu ongoniyo bese wubathukuthelela wena, ubanikele esitheni, ukuze ababathumbayo babamukisele ezweni lesitha, likude noma liseduze,

[37]kepha bese becabanga ezweni lapho bethunjelwe khona, baphenduke, banxuse kuwe ezweni lababathumbayo ngokuthi: Sonile, senzile ngokuphambeneyo, saziphatha kabi;

ti de todo o seu coração e de toda a sua alma,

[38] na terra do seu cativeiro, para onde foram levados cativos, e orarem, voltados para a sua terra que deste a seus pais, para esta cidade que escolheste e para a casa que edifiquei ao teu nome,

[39] ouve tu dos céus, do lugar da tua habitação, a sua prece e a sua súplica e faze-lhes justiça; perdoa ao teu povo que houver pecado contra ti.

[40] Agora, pois, ó meu Deus, estejam os teus olhos abertos, e os teus ouvidos atentos à oração que se fizer deste lugar.

[41] Levanta-te, pois, SENHOR Deus, e entra para o teu repouso, tu e a arca do teu poder; os teus sacerdotes, ó SENHOR Deus, se revistam de salvação, e os teus santos se alegrem do bem.

[42] Ah! SENHOR Deus, não repulses o teu ungido; lembra-te das misericórdias que usaste para com Davi, teu servo.

2 Crônicas 7

A glória de Deus enche o templo

[1] Tendo Salomão acabado de orar, desceu fogo do céu e consumiu o holocausto e os sacrifícios; e a glória do SENHOR encheu a casa.

[38]uma bephendukela kuwe ngayo yonke inhliziyo yabo nangawo wonke umphefumulo wabo ezweni lokuthunjwa kwabo, lapho bebathumbele khona, bakhuleke bebhekene nezwe lakubo owalinika oyise, nomuzi owukhethileyo, nendlu engiyakhele igama lakho,

[39]mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume, uthethelele abantu bakho abonile kuwe.

[40] Ngalokho, Nkulunkulu wami, amehlo akho mawavulekele, nezindlebe zakho maziwulalele umkhuleko owenziwa kule ndawo.

[41] Ngalokho: Vuka, Jehova Nkulunkulu, uze endaweni yakho yokuphumula, wena nomphongolo wamandla akho; abapristi bakho, Jehova Nkulunkulu, mabembathiswe ukusindiswa, nabathembekileyo bakho mabathokoze ngokuhle.

[42] Jehova Nkulunkulu, ungafulatheli ogcotshiweyo wakho; khumbula umusa wakho kuDavide inceku yakho.

2 iziKronike 7

Umlilo wasezulwini

[1] USolomoni eseqedile ukukhuleka, kwehla umlilo ezulwini, wadla umnikelo wokushiswa nemihlatshelo; inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu.

[2] Os sacerdotes não podiam entrar na Casa do SENHOR, porque a glória do SENHOR tinha enchido a Casa do SENHOR.

[3] Todos os filhos de Israel, vendo descer o fogo e a glória do SENHOR sobre a casa, se encurvaram com o rosto em terra sobre o pavimento, e adoraram, e louvaram o SENHOR, porque é bom, porque a sua misericórdia dura para sempre.

A conclusão da solenidade
1 Reis 8.62-66

[4] Então, o rei e todo o povo ofereceram sacrifícios diante do SENHOR.

[5] Ofereceu o rei Salomão em sacrifício vinte e dois mil bois e cento e vinte mil ovelhas.

[6] Assim, o rei e todo o povo consagraram a Casa de Deus. Os sacerdotes estavam nos seus devidos lugares, como também os levitas com os instrumentos músicos do SENHOR, que o rei Davi tinha feito para deles se utilizar nas ações de graças ao SENHOR, porque a sua misericórdia dura para sempre. Os sacerdotes que tocavam as trombetas estavam defronte deles, e todo o Israel se mantinha em pé.

[7] Salomão consagrou também o meio do átrio que estava diante da Casa do SENHOR, porquanto ali prepararam os holocaustos e a gordura dos sacrifícios

[2]Abapristi babengenakungena endlini kaJehova, ngokuba inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaJehova.

[3] Lapho abantwana bakwa-Israyeli bebona ukwehla komlilo, nenkazimulo kaJehova iphezu kwendlu, bakhothama phansi ngobuso phezu kwendawo egandaywe ngamatshe, bakhuleka, babonga uJehova, ngokuba muhle nangokuba umusa wakhe umi phakade.

[4] Inkosi nabo bonke abantu base benikela ngomhlatshelo phambi kukaJehova.

[5]Inkosi uSolomoni yanikela ngomhlatshelo wezinkunzi eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili nezimvu eziyizinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili. Inkosi nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli bahlambulula-ke indlu kaJehova.

[6]Abapristi bema njengezikhundla zabo kanye namaLevi, benezinto zokubethwa ayezenzile uDavide inkosi ukuba babonge uJehova, ngokuba umusa wakhe umi phakade, lapho uDavide edumisa ngezandla zabo; abapristi bakhalisa amacilongo ngaphambi kwabo, esemi wonke u-Israyeli.

[7] USolomoni wangcwelisa ingaphakathi legceke elalingaphambi kwendlu kaJehova, ngokuba wanikela lapho ngeminikelo yokushiswa namanoni

pacíficos; porque, no altar de bronze, que Salomão fizera, não podiam caber os holocaustos, as ofertas de manjares e a gordura dos sacrifícios pacíficos.

[8] Assim, celebrou Salomão a festa por sete dias, e todo o Israel, com ele, uma grande congregação, desde a entrada de Hamate até ao rio do Egito.

[9] Ao oitavo dia, começaram a celebrar a Festa dos Tabernáculos, porque, por sete dias, já haviam celebrado a consagração do altar; a festa durava sete dias.

[10] No vigésimo terceiro dia do sétimo mês, o rei despediu o povo para as suas tendas; e todos se foram alegres e de coração contente por causa do bem que o SENHOR fizera a Davi, a Salomão e a Israel, seu povo.

A aliança do Senhor com Salomão

1 Reis 9.1-9

[11] Assim, Salomão acabou a Casa do SENHOR e a casa do rei; tudo quanto Salomão intentou fazer na Casa do SENHOR e na sua casa, prosperamente o efetuou.

[12] De noite, apareceu o SENHOR a Salomão e lhe disse: Ouvi a tua oração e escolhi para mim este lugar para casa do sacrifício.

[13] Se eu cerrar os céus de modo que não haja chuva, ou se ordenar aos gafanhotos que consumam a terra, ou se enviar a peste entre o meu povo;

eminikelo yokuthula, ngokuba i-altare lethusi ayelenzile uSolomoni lalingenakwanela umnikelo wokushiswa, nomnikelo wempuphu, namanoni.

[8] USolomoni wagubha-ke umkhosi ngaleso sikhathi izinsuku eziyisikhombisa, wonke u-Israyeli enaye, ibandla elikhulu kakhulu, kusukela ekuyeni eHamati kuze kube semfuleni waseGibithe.

[9]Ngosuku lwesishiyagalombili benza umhlangano ozothileyo ngokuba ukuhlanjululwa kwe-altare bakwenza izinsuku eziyisikhombisa nomkhosi izinsuku eziyisikhombisa.

[10]Ngosuku lwamashumi amabili nantathu lwenyanga yesikhombisa wabamukisa abantu baya ematendeni abo, bethokoza benezinhliziyo ezenamileyo ngobuhle uJehova abenzele oDavide noSolomoni no-Israyeli abantu bakhe.

UNkulunkulu uyabonakala ngokwesibili kuSolomoni

[11] USolomoni waqeda-ke indlu kaJehova nendlu yenkosi; konke okwangena enhliziyweni kaSolomoni ukukwenza endlini kaJehova nasendlini yakhe, wakuphumelelisa.

[12] UJehova wabonakala kuSolomoni, wathi kuye: Ngiwuzwile umkhuleko wakho, ngizikhethele le ndawo ukuba ibe yindlu yomhlatshelo.

[13] Uma ngivala izulu ukuba kungabikho mvula, noma ngiyaleza isikhonyane ukuba sidle izwe, noma ngithuma isifo phakathi kwabantu bami,

[14] se o meu povo, que se chama pelo meu nome, se humilhar, e orar, e me buscar, e se converter dos seus maus caminhos, então, eu ouvirei dos céus, perdoarei os seus pecados e sararei a sua terra.

[14]bazithobe abantu bami ababizwa ngegama lami, bakhuleke, bafune ubuso bami, baphenduke ezindleleni zabo ezimbi, ngiyakuzwa ezulwini, ngithethelele isono sabo, ngiphilise izwe labo.

[15] Estarão abertos os meus olhos e atentos os meus ouvidos à oração que se fizer neste lugar.

[15] Manje amehlo ami ayakuvuleka, izindlebe zami zilalele umkhuleko owenziwa kule ndawo.

[16] Porque escolhi e santifiquei esta casa, para que nela esteja o meu nome perpetuamente; nela, estarão fixos os meus olhos e o meu coração todos os dias.

[16]Manje sengiyikhethile ngayingcwelisa le ndlu ukuba igama lami libe khona lapho kuze kube phakade; amehlo ami nenhliziyo yami kuyakuba khona lapho isikhathi sonke.

[17] Quanto a ti, se andares diante de mim, como andou Davi, teu pai, e fizeres segundo tudo o que te ordenei, e guardares os meus estatutos e os meus juízos,

[17] Wena-ke, uma uyakuhamba phambi kwami njengokuhamba kukaDavide uyihlo, wenze njengakho konke engikuyale ngakho, ugcine izimiso zami nezahlulelo zami,

[18] também confirmarei o trono do teu reino, segundo a aliança que fiz com Davi, teu pai, dizendo: Não te faltará sucessor que domine em Israel.

[18]ngiyakusimisa isihlalo sobukhosi sombuso wakho njengesivumelwano sami noDavide uyihlo ngokuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe ukuba kungabikho mbusi kwa-Israyeli.

[19] Porém, se vós vos desviardes, e deixardes os meus estatutos e os meus mandamentos, que vos prescrevi, e fordes, e servirdes a outros deuses, e os adorardes,

[19] Kepha uma nibuya, nishiye izimiso zami nemiyalo yami engikubeke phambi kwakho, nihambe nikhonze abanye onkulunkulu, nikhuleke kubo,

[20] então, vos arrancarei da minha terra que vos dei, e esta casa, que santifiquei ao meu nome, lançarei longe da minha presença, e a tornarei em provérbio e motejo entre todos os povos.

[20] ngiyakubasiphula ezweni lami engibanike lona, nale ndlu engiyingcwelisele igama lami ngiyakuyilahla ebusweni bami, ngiyenze isaga nesifenqo phakathi kwabantu bonke.

[21] Desta casa, agora tão exaltada, todo aquele que por ela passar pasmará e dirá:

[21] Le ndlu ephakeme kangaka, yilowo nalowo odlula kuyo uyakumangala athi:

Por que procedeu o SENHOR assim para com esta terra e esta casa?

UJehova wenzeleni kanje kuleli zwe nakule ndlu na?

[22] Responder-se-lhe-á: Porque deixaram o SENHOR, o Deus de seus pais, que os tirou da terra do Egito, e se apegaram a outros deuses, e os adoraram, e os serviram. Por isso, trouxe sobre eles todo este mal.

[22]Bayakuphendula bathi: Kungokuba bamshiya uJehova uNkulunkulu wawoyise owabakhipha ezweni laseGibithe, babambelela kwabanye onkulunkulu, bakhuleka kubo, babakhonza; ngalokho ubehlisele konke lokho okubi.

2 Crônicas 8

As demais atividades de Salomão

1 Reis 9.10-28

[1] Ao fim de vinte anos, tendo Salomão terminado a Casa do SENHOR e a sua própria casa,

[2] edificou as cidades que Hirão lhe tinha dado; e fez habitar nelas os filhos de Israel.

[3] Depois, foi Salomão a Hamate-Zoba e a tomou.

[4] Também edificou a Tadmor no deserto e a todas as cidades-armazéns em Hamate.

[5] Edificou também a Bete-Horom, a de cima e a de baixo, cidades fortificadas com muros, portas e ferrolhos;

[6] como também a Baalate, e todas as cidades-armazéns que Salomão tinha, e todas as cidades para os carros, e as cidades para os cavaleiros, e tudo o que desejou, enfim, edificar em Jerusalém, no Líbano e em toda a terra do seu domínio.

[7] Quanto a todo o povo que restou dos heteus, amorreus, ferezeus, heveus e jebuseus e que não eram de Israel,

2 iziKronike 8

Izisebenzi nezindlu zikaSolomoni

[1] Kwathi ngasekugcineni kweminyaka engamashumi amabili uSolomoni akhe ngayo indlu kaJehova nendlu yakhe,

[2]imizi uHiramu anike yona uSolomoni, uSolomoni wayivusa, wahlalisa khona abantwana bakwa-Israyeli.

[3]USolomoni waya eHamati Soba, walahlula.

[4] Wakha iTadimori ehlane, nayo yonke imizi yokubekelela ayakha eHamati.

[5]Wakha neBeti Horoni laseNhla, neBeti Horoni laseNzansi, imizi ebiyelweyo enezingange, namasango, nemigoqo,

[6]kanye neBalati nayo yonke imizi yokubekelela uSolomoni ayenayo, nayo yonke imizi yezinqola zakhe, nemizi yabamahhashi bakhe, nakho konke uSolomoni ayefisa ukukwakha eJerusalema, naseLebanoni, nasezweni lonke lokubusa kwakhe.

[7]Abantu bonke abaseleyo kumaHeti, nama-Amori, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi, abangesibo abakwa-Israyeli,

[8] a seus filhos, que restaram depois deles na terra, os quais os filhos de Israel não puderam destruir totalmente, a esses fez Salomão trabalhadores forçados, até hoje.

[8]abantwana babo abasala emva kwabo ezweni, abangaqedwanga ngabantwana bakwa-Israyeli, kubona uSolomoni wabiza izisebenzi kuze kube namuhla.

[9] Porém dos filhos de Israel não fez Salomão escravo algum; eram homens de guerra, seus comandantes, chefes dos seus carros e dos seus cavaleiros;

[9]Kepha kubantwana bakwa-Israyeli uSolomoni akakhiphanga izigqila zomsebenzi wakhe, ngokuba babengamadoda empi, nabakhulu bezinduna zakhe, nezinduna zezinqola zakhe, nabamahhashi bakhe.

[10] estes eram os principais oficiais que tinha o rei Salomão, duzentos e cinqüenta, que presidiam sobre o povo.

[10]Lezo zaziyizinduna ezinkulu zenkosi uSolomoni; zazingamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, zazibusa phezu kwabantu.

[11] Salomão fez subir a filha de Faraó da Cidade de Davi para a casa que a ela lhe edificara; porque disse: Minha esposa não morará na casa de Davi, rei de Israel, porque santos são os lugares nos quais entrou a arca do SENHOR.

[11] USolomoni wakhuphula indodakazi kaFaro emzini kaDavide, wayiyisa endlini ayakhele yona, ngokuba wathi: Akuyikuhlala owesifazane endlini kaDavide inkosi yakwa-Israyeli, ngokuba ingcwele, lapho kufike khona umphongolo kaJehova.

[12] Então, Salomão ofereceu holocaustos ao SENHOR, sobre o altar que tinha edificado ao SENHOR diante do pórtico;

[12] Khona uSolomoni wanikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova e-altare likaJehova ayelakhe phambi kompheme

[13] e isto segundo o dever de cada dia, conforme o preceito de Moisés, nos sábados, nas Festas da Lua Nova, e nas festas fixas, três vezes no ano: na Festa dos Pães Asmos, na Festa das Semanas e na Festa dos Tabernáculos.

[13] njengokudingekayo imihla ngemihla, enikela njengemiyalo kaMose ngamasabatha, nangokwethwasa kwenyanga, nangemikhosi emisiweyo, kathathu ngomnyaka: ngomkhosi wesinkwa esingenamvubelo, nangomkhosi wamasonto, nangomkhosi wamadokodo.

[14] Também, segundo a ordem de Davi, seu pai, dispôs os turnos dos sacerdotes nos

[14] Wamisa njengomthetho kaDavide uyise izigaba zabapristi enkonzweni yabo,

seus ministérios, como também os dos levitas para os seus cargos, para louvarem a Deus e servirem diante dos sacerdotes, segundo o dever de cada dia, e os porteiros pelos seus turnos a cada porta; porque tal era a ordem de Davi, o homem de Deus.

namaLevi ezikhundleni zawo ukuba adumise, akhonze phambi kwabapristi njengokudingekayo imihla ngemihla, nabalindisango ngezigaba zabo emasangweni ngamasango, ngokuba uDavide umuntu kaNkulunkulu wayeyale kanjalo.

15 Não se desviaram do que ordenara o rei aos sacerdotes e levitas, em coisa nenhuma, nem acerca dos tesouros.

15 Abaphambukanga emiyalweni yenkosi kubapristi namaLevi ngalutho, nangengcebo.

16 Assim se executou toda a obra de Salomão, desde o dia da fundação da Casa do SENHOR até se acabar; e assim se concluiu a Casa do SENHOR.

16 Wonke umsebenzi kaSolomoni walungiswa kwaze kwaba lusuku lokubeka isisekelo sendlu kaJehova, yaze yaphela. Yayisiphelile indlu kaJehova.

Imikhumbi kaSolomoni

17 Então, foi Salomão a Eziom-Geber e a Elate, à praia do mar, na terra de Edom.

17 Khona uSolomoni waya e-Esiyoni Geberi, nase-Elito, ogwini lolwandle ezweni lakwa-Edomi.

18 Enviou-lhe Hirão, por intermédio de seus servos, navios e marinheiros práticos; foram com os servos de Salomão a Ofir e tomaram de lá quatrocentos e cinqüenta talentos de ouro, que trouxeram ao rei Salomão.

18 UHiramu wathuma kuye ngezandla zezinceku zakhe imikhumnbi nezinceku ezazilwazi ulwandle; zafika nezinceku zikaSolomoni e-Ofiri, zalanda khona amatalenta angamakhulu amane namashumi ayisihlanu egolide, zawayisa enkosini uSolomoni.

2 Crônicas 9

A rainha de Sabá visita a Salomão

1 Reis 10.1-13

1 Tendo a rainha de Sabá ouvido a fama de Salomão, veio a Jerusalém prová-lo com perguntas difíceis, com mui grande comitiva; com camelos carregados de especiarias, de ouro em abundância e pedras preciosas; compareceu perante Salomão e lhe expôs tudo quanto trazia em sua mente.

2 iziKronike 9

Inkosikazi yaseSheba

1 Inkosikazi yaseSheba isizwile udumo lukaSolomoni yeza ukumvivinya uSolomoni eJerusalema ngezimfumbe, inehele elikhulu kakhulu, namakamela ethwele amakha, negolide eliningi, namatshe ayigugu; isifikile kuSolomoni yakhuluma naye ngakho konke okusenhliziyweni yayo.

2 Salomão lhe deu resposta a todas as perguntas, e nada lhe houve profundo demais que não pudesse explicar.

2USolomoni wayiphendula ezindabeni zayo zonke; kwakungekho nto eyayifihlelwe uSolomoni angayitshelanga yona.

3 Vendo, pois, a rainha de Sabá a sabedoria de Salomão, e a casa que edificara,

3Inkosikazi yaseSheba isibonile ukuhlakanipha kukaSolomoni, nendlu ayakhileyo,

4 e a comida da sua mesa, o lugar dos seus oficiais, o serviço dos seus criados, e os trajes deles, seus copeiros, e os seus trajes, e o holocausto que oferecia na Casa do SENHOR, ficou como fora de si

4nokudla kwasetafuleni lakhe, nokuhlala kwezinceku zakhe, nokuma kwezikhonzi zakhe, nezambatho zazo, kanye nabaphathizitsha nezambatho zabo, nesikhwelo sakhe akhuphukela ngaso endlini kaJehova, akwabe kusabakho moya kuyo.

5 e disse ao rei: Foi verdade a palavra que a teu respeito ouvi na minha terra e a respeito da tua sabedoria.

5Yathi enkosini: Yayiqinisile indaba engayizwa ezweni lami ngamazwi akho nangokuhlakanipha kwakho.

6 Eu, contudo, não cria no que se falava, até que vim e vi com os próprios olhos. Eis que não me contaram a metade da grandeza da tua sabedoria; sobrepujas a fama que ouvi.

6Kepha angikholwanga ngamazwi abo, ngaze ngafika, kwabona amehlo ami; bheka, angitshelwanga nanxenye yobukhulu bokuhlakanipha kwakho; uyadlula udumo engaluzwayo.

7 Felizes os teus homens, felizes estes teus servos que estão sempre diante de ti e ouvem a tua sabedoria!

7Babusiswe abantu bakho, zibusisiwe lezi zinceku zakho ezimi njalo phambi kwakho, zizwa ukuhlakanipha kwakho.

8 Bendito seja o SENHOR, teu Deus, que se agradou de ti para te colocar no seu trono como rei para o SENHOR, teu Deus; porque o teu Deus ama a Israel para o estabelecer para sempre; por isso, te constituiu rei sobre ele, para executares juízo e justiça.

8Makabongwe uJehova uNkulunkulu wakho owenamele wena ukuba akubeke esihlalweni sakhe sobukhosi ukuba ube yinkosi kuJehova uNkulunkulu wakho; ngokuba uNkulunkulu wakho wamthanda u-Israyeli waze wammisa kuze kube phakade, ngalokho wakubeka inkosi phezu kwabo ukuba wenze ukwahlulela nokulunga.

[9] Deu ela ao rei cento e vinte talentos de ouro, especiarias em grande abundância e pedras preciosas, e nunca houve especiarias tais como as que a rainha de Sabá deu ao rei Salomão.

[10] Os servos de Hirão e os servos de Salomão, que de Ofir tinham trazido ouro, trouxeram também madeira de sândalo e pedras preciosas.

[11] Desta madeira de sândalo fez o rei balaústres para a Casa do SENHOR e para a casa real, como também harpas e alaúdes para os cantores, quais nunca dantes se viram na terra de Judá.

[12] O rei Salomão deu à rainha de Sabá, além do equivalente ao que ela lhe trouxera, mais tudo o que ela desejou e pediu. Assim, voltou e foi para a sua terra, ela e os seus servos.

As riquezas de Salomão

1 Reis 10.14-29

[13] O peso do ouro que se trazia a Salomão cada ano era de seiscentos e sessenta e seis talentos,

[14] afora o que entrava dos vendedores e dos negociantes; também todos os reis da Arábia e os governadores dessa mesma terra traziam a Salomão ouro e prata.

[15] Fez o rei Salomão duzentos paveses de ouro batido; seiscentos siclos de ouro batido mandou pesar para cada pavês.

[9]Yanika inkosi amatalenta ayikhulu namashumi amabili egolide, namakha amaningi kakhulu, namatshe ayigugu; awazange abe khona amakha anjengalawo inkosi uSolomoni eyaphiwa wona yinkosikazi yaseSheba.

[10]Izinceku zikaHiramu nezinceku zikaSolomoni ezabuya negolide e-Ofiri zaletha imi-alimugi namatshe ayigugu.

[11]Ngemi-alimugi inkosi yenzela indlu kaJehova nendlu yenkosi izikhwelo, kanye namahabhu, nezingubhu zabahlabeleli; akuzange kubonwe phambili okunjengakho ezweni lakwaJuda.

[12]Inkosi uSolomoni yanika inkosikazi yaseSheba konke ekufunayo nekucelayo ngaphandle kwalokho ebikulethele inkosi. Yayisibuya, yaya ezweni layo, yona nezinceku zayo.

Ukuceba kukaSolomoni nobukhosi bakhe; ukuhlakanipha kwakhe nobukhulu bakhe

[13]Isisindo segolide elafika kuSolomoni iminyaka yonke sasingamatalenta angamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesithupha egolide

[14]ngaphandle kokuvela kubahwebi nabathengisi; onke amakhosi ase-Arabiya nababusi bezwe baletha igolide nesiliva kuSolomoni.

[15]Inkosi uSolomoni yenza izihlangu ezingamakhulu amabili zegolide elikhandiweyo, kwaba ngamashekeli angamakhulu ayisithupha egolide elikhandiweyo kuso isihlangu sinye,

[16] Fez também trezentos escudos de ouro batido; trezentos siclos de ouro mandou pesar para cada escudo. E o rei os pôs na Casa do Bosque do Líbano.

[17] Fez mais o rei um grande trono de marfim e o cobriu de ouro puro.

[18] O trono tinha seis degraus e um estrado de ouro a ele pegado; de ambos os lados, tinha braços junto ao assento e dois leões junto aos braços.

[19] Também doze leões estavam ali sobre os seis degraus, um em cada extremo destes. Nunca se fizera obra semelhante em nenhum dos reinos.

[20] Todas as taças de que se servia o rei Salomão para beber eram de ouro, e também de ouro puro, todas as da Casa do Bosque do Líbano; à prata, nos dias de Salomão, não se dava estimação nenhuma.

[21] Porque o rei tinha navios que iam a Társis, com os servos de Hirão; de três em três anos, voltavam os navios de Társis, trazendo ouro e prata, marfim, bugios e pavões.

[22] Assim, o rei Salomão excedeu a todos os reis do mundo, tanto em riqueza como em sabedoria.

[16]kanjalo nezihlangu ezingamakhulu amathathu egolide elikhandiweyo, amashekeli angamakhulu amathathu egolide kuso isihlangu sinye; inkosi yazibeka endlini yehlathi laseLebanoni.

[17]Inkosi yenza nesihlalo sobukhosi esikhulu sezimpondo zendlovu, yasinameka ngegolide elicwengekileyo.

[18]Isihlalo sobukhosi sasinezikhwelo eziyisithupha, sinesenabelo segolide esasinamathelisiwe esihlalweni sobukhosi, nemikhono ngalapha nangalapha kwendawo yokuhlala, kumi izingonyama ezimbili ngaseceleni kwemikhono.

[19]Kwakumi izingonyama eziyishumi nambili ngalapha nangalapha ezikhwelweni eziyisithupha. Okunjalo akwenziwanga komunye umbuso.

[20]Zonke izitsha zokuphuza zenkosi uSolomoni zaziyigolide, nazo zonke izitsha zendlu yehlathi laseLebanoni zaziyigolide elicwengekileyo, isiliva lingento yalutho emihleni kaSolomoni.

[21]Ngokuba inkosi yayinemikhumbi eyaya eTharishishi kanye nezinceku zikaHiramu; kanye ngeminyaka emithathu yafika imikhumbi yaseTharishishi iletha igolide, nesiliva, nezimpondo zendlovu, nezimfene, namapikoko.

[22]Inkosi uSolomoni yaba nkulu kunawo onke amakhosi omhlaba ngengcebo nangokuhlakanipha.

[23] Todos os reis do mundo procuravam ir ter com ele para ouvir a sabedoria que Deus lhe pusera no coração.

[24] Cada um trazia o seu presente, objetos de prata e de ouro, roupas, armaduras, especiarias, cavalos e mulas; assim ano após ano.

[25] Tinha Salomão quatro mil cavalos em estrebarias para os seus carros e doze mil cavaleiros, que distribuiu às cidades para os carros e junto ao rei, em Jerusalém.

[26] Dominava Salomão sobre todos os reis desde o Eufrates até à terra dos filisteus e até ao limite do Egito.

[27] Fez o rei que, em Jerusalém, houvesse prata como pedras e cedros em abundância como os sicômoros que estão nas planícies.

[28] Importavam-se cavalos para Salomão, do Egito e de todas as terras.

A morte de Salomão

1 Reis 11.41-43

[29] Quanto aos mais atos de Salomão, tanto os primeiros como os últimos, porventura, não estão escritos no Livro da História de Natã, o profeta, e na Profecia de Aías, o silonita, e nas Visões de Ido, o vidente, acerca de Jeroboão, filho de Nebate?

[30] Quarenta anos reinou Salomão em Jerusalém sobre todo o Israel.

[23]Onke amakhosi omhlaba afuna ubuso bukaSolomoni ukuba ezwe ukuhlakanipha kwakhe, uNkulunkulu akubekile enhliziyweni yakhe.

[24]Baletha, kwaba yilowo nalowo isipho sakhe, izitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezingubo, nezikhali, namakha, namahhashi, neminyuzi, okwenziwa iminyaka ngeminyaka.

[25] USolomoni wayenezipani eziyizinkulungwane ezine zamahhashi nezinqola, nabamahhashi abayizinkulungwane eziyishumi nambili, owababeka emizini yezinqola nasenkosini eJerusalema.

[26] Wabusa phezu kwawo onke amakhosi kusukela emfuleni kuze kube sezweni lamaFilisti nasemkhawulweni waseGibithe.

[27]Inkosi yenza isiliva livame eJerusalema njengamatshe, nemisedari yayenza ibe njengemithombe ehlanzeni ngobuningi.

[28]Bamlethela uSolomoni amahhashi evela eGibithe nasemazweni onke.

[29]Ezinye izindaba zikaSolomoni, ezokuqala nezokugcina, angithi zilotshiwe ezindabeni zikaNathani umprofethi, nasesiprofethweni sika-Ahiya waseShilo, nasemibonweni ka-Ido umboni ngoJerobowamu indodana kaNebati na?

[30]USolomoni wabusa eJerusalema phezu kuka-Israyeli wonke iminyaka engamashumi amane.

[31] Descansou com seus pais e foi sepultado na Cidade de Davi, seu pai, e Roboão, seu filho, reinou em seu lugar.

2 Crônicas 10

Roboão causa separação entre as tribos

1 Reis 12.1-15

[1] Foi Roboão a Siquém, porque todo o Israel se reuniu lá, para o fazer rei.

[2] Tendo Jeroboão, filho de Nebate, ouvido isso (pois estava ainda no Egito, para onde fugira da presença do rei Salomão), voltou do Egito.

[3] Mandaram chamá-lo; veio ele com todo o Israel a Roboão, e lhe falaram:

[4] Teu pai fez pesado o nosso jugo; agora, pois, alivia tu a dura servidão de teu pai e o seu pesado jugo que nos impôs, e nós te serviremos.

[5] Ele lhes respondeu: Após três dias, voltai a mim. E o povo se foi.

[6] Tomou o rei Roboão conselho com os homens idosos que estiveram na presença de Salomão, seu pai, quando este ainda vivia, dizendo: Como aconselhais que se responda a este povo?

[7] Eles lhe disseram: Se te fizeres benigno para com este povo, e lhes agradares, e lhes falares boas palavras, eles se farão teus servos para sempre.

[31]USolomoni wayeselala koyise, wembelwa emzini kaDavide uyise; uRehobowamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

2 iziKronike 10

Ukumiswa kukaRehobowamu nokuhlubuka kwezizwe eziyishumi

[1] URehobowamu waya eShekemi, ngokuba wonke u-Israyeli wayefikile eShekemi ukumbeka inkosi.

[2]Kwathi lapho uJerobowamu indodana kaNebati ekuzwile ngokuba wayeseGibithe, lapho ayebalakele khona, ebalekele ubuso benkosi uSolomoni uJerobowamu wabuya eGibithe.

[3]Bathuma bambiza; uJerobowamu naye wonke u-Israyeli beza, bakhuluma kuRehobowamu, bathi:

[4] Uyihlo wenza ijoka lethu laba lukhuni; ngalokho yenza wena ube lula umsebenzi olukhuni kayihlo nejoka lakhe elisindayo owalibeka phezu kwethu, siyakukukhonza.

[5]Wathi kubo: Buyelani kimi emva kwezinsuku ezintathu. Basuka-ke abantu.

[6]Inkosi uRehobowamu yelulekana namalunga ayemile phambi kukaSolomoni uyise esekhona, yathi: Nina ningeluleka ukubuyisela mpenduloni kulaba bantu na?

[7]Akhuluma kuye, athi: Uma uzakuba muhle kulaba bantu, ubathokozise, ukhulume amazwi amahle kubo, bayakuba yizinceku zakho izinsuku zonke.

[8] Porém ele desprezou o conselho que os anciãos lhe tinham dado e tomou conselho com os jovens que haviam crescido com ele e o serviam.
[9] E disse-lhes: Que aconselhais vós que respondamos a este povo, que me falou, dizendo: Alivia o jugo que teu pai nos impôs?

[10] E os jovens que haviam crescido com ele lhe disseram: Assim falarás ao povo que disse: Teu pai fez pesado o nosso jugo, mas alivia-o de sobre nós; assim lhe falarás: Meu dedo mínimo é mais grosso do que os lombos de meu pai.

[11] Assim que, se meu pai vos impôs jugo pesado, eu ainda vo-lo aumentarei; meu pai vos castigou com açoites, porém eu vos castigarei com escorpiões.
[12] Veio, pois, Jeroboão e todo o povo, ao terceiro dia, a Roboão, como o rei lhes ordenara, dizendo: Voltai a mim, ao terceiro dia.
[13] Dura resposta lhes deu o rei, porque o rei Roboão desprezara o conselho dos anciãos;
[14] e lhes falou segundo o conselho dos jovens, dizendo: Meu pai fez pesado o vosso jugo, porém eu ainda o agravarei; meu pai vos castigou com açoites, eu, porém, vos castigarei com escorpiões.

[15] O rei, pois, não deu ouvidos ao povo, porque isto vinha de Deus, para que o SENHOR confirmasse a palavra que tinha

[8]Kepha walahla isiluleko samalunga ameluleke ngaso, welulekana nezinsizwa eziyintanga yakhe, ezazimi phambi kwakhe.
[9]Wathi kuzo: Nina niluleka ukuba sibuyise mpenduloni kulaba bantu abakhulume kimi ngokuthi: Yenza ijoka uyihlo alibeka phezu kwethu libe lula, na?
[10]Zase zikhuluma kuye izinsizwa eziyintanga yakhe, zithi: Uyakusho kanje kubantu abakhulume kuwe ngokuthi: Uyihlo walenza ijoka lethu lasinda, kepha wena ulenze libe lula kithina, uyakusho kubo kanje ukuthi: Ucikicane wami mkhulu kunokhalo lukababa.
[11]Manje ubaba wanithwesa ijoka elisindayo, mina ngiyakwenezela ejokeni lenu; ubaba wanishaya ngeziswebhu, mina ngawofezela.
[12]UJerobowamu nabantu bonke base befika kuRehobowamu ngosuku lwesithathu njengokusho kwenkosi ithi: Buyelani kimi ngosuku lwesithathu.
[13]Inkosi yabaphendula kalukhuni; inkosi uRehobowamu yalahla isiluleko samalunga,
[14]yakhuluma kubo njengesiluleko sezinsizwa ngokuthi: Ubaba walenza ijoka lenu lasinda, mina ngiyakwenezela kulo; ubaba wanishaya ngesiswebhu, mina ngawofezela.
[15]Inkosi ayibalalelanga abantu, ngokuba kwakuyisiyiba esivela kuNkulunkulu, ukuze uJehova amise izwi lakhe alikhulumayo ngesandla sika-Ahiya

dito por intermédio de Aías, o silonita, a Jeroboão, filho de Nebate.

Dez tribos seguem Jeroboão
1 Reis 12.16-20

[16] Vendo, pois, todo o Israel que o rei não lhe dava ouvidos, reagiu, dizendo: Que parte temos nós com Davi? Não há para nós herança no filho de Jessé! Cada homem à sua tenda, ó Israel! Cuida, agora, da tua casa, ó Davi! Então, Israel se foi às suas tendas.

[17] Quanto aos filhos de Israel, porém, que habitavam nas cidades de Judá, sobre eles reinou Roboão.

[18] Então, o rei Roboão enviou a Adorão, superintendente dos que trabalhavam forçados, porém os filhos de Israel o apedrejaram, e morreu. Mas o rei Roboão conseguiu tomar o seu carro e fugir para Jerusalém.

[19] Assim, Israel se mantém rebelado contra a casa de Davi até ao dia de hoje.

2 Crônicas 11

Deus proíbe que Roboão peleje contra as dez tribos
1 Reis 12.21-24

[1] Vindo, pois, Roboão a Jerusalém, reuniu a casa de Judá e de Benjamim, cento e oitenta mil escolhidos, destros para a guerra, para pelejar contra Israel, a fim de restituir o reino a Roboão.

[2] Porém veio a palavra do SENHOR a Semaías, homem de Deus, dizendo:

waseShilo kuJerobowamu indodana kaNebati.

[16]Wonke u-Israyeli esebonile ukuthi inkosi ayibalalelanga, abantu babuyisela izwi enkosini, bathi: Sinasabelo sini kuDavide na? Ifa asinalo endodaneni kaJese. Yilowo nalowo makaye etendeni lakhe, Israyeli; zibhekele indlu yakho manje, Davide. Wayesesuka u-Israyeli wonke, waya ematendeni akhe.

[17]Kepha abantwana bakwa-Israyeli abakhe emizini yakwaJuda, uRehobowamu wabusa phezu kwabo.

[18]Inkosi uRehobowamu yathuma u-Adoramu owayephezu kwezisebenzi; abantwana bakwa-Israyeli bamkhanda ngamatshe, wafa. Inkosi uRehobowamu yashesha ukukhwela inqola yayo ukuba ibalekele eJerusalema.

[19]U-Israyeli wayeseyihlubuka-ke indlu kaDavide kuze kube namuhla.

2 iziKronike 11

Isiprofetho sikaShemaya

[1] URehobowamu esefikile eJerusalema wabutha indlu yakwaJuda noBenjamini, abantu abakhethiweyo abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihiyagalombili, amabutho, ukuba balwe no-Israyeli, bawubuyisele umbuso kuRehobowamu.

[2]Lase lifika izwi likaJehova kuShemaya umuntu kaNkulunkulu, lathi:

[3] Fala a Roboão, filho de Salomão, rei de Judá, e a todo o Israel em Judá e Benjamim, dizendo:

[4] Assim diz o SENHOR: Não subireis, nem pelejareis contra vossos irmãos; cada um volte para sua casa, porque eu é que fiz isto. E, obedecendo eles à palavra do SENHOR, desistiram de subir contra Jeroboão.

As cidades fortificadas de Roboão

[5] Roboão habitou em Jerusalém e, para defesa, fortificou cidades em Judá;

[6] fortificou, pois, a Belém, a Etã, a Tecoa,

[7] a Bete-Zur, a Socó, a Adulão,

[8] a Gate, a Maressa, a Zife,

[9] a Adoraim, a Laquis, a Azeca,

[10] a Zorá, a Aijalom e a Hebrom, todas em Judá e Benjamim, cidades fortificadas.

[11] Assim, as tornou em fortalezas e pôs nelas comandantes e depósitos de víveres, de azeite e de vinho.

[12] E pôs em cada cidade arsenal de paveses e lanças; fortificou-as sobremaneira. Judá e Benjamim ficaram-lhe sujeitas.

Sacerdotes e levitas vêm a Jerusalém

[13] Também os sacerdotes e os levitas que havia em todo o Israel recorreram a Roboão de todos os seus limites,

[14] porque os levitas deixaram os arredores das suas cidades e as suas possessões e vieram para Judá e para Jerusalém,

[3] Khuluma kuRehobowamu indodana kaSolomoni, inkosi yakwaJuda, nakuye wonke u-Israyeli kwaJuda noBenjamini, ngokuthi:

[4]Usho kanje uJehova, uthi: Aniyikukhuphuka, ningalwi nabafowenu; buyelani, kube yilowo nalowo endlini yakhe, ngokuba le nto ivela kimi. Balalela amazwi kaJehova, babuya ekumhlaseleni uJerobowamu.

Ukwakha kukaRehobowamu

[5]URehobowamu wahlala eJerusalema, wakha imizi ukuba ibe yizinqaba kwaJuda.

[6]Wakha iBetlehema, ne-Etamu, neThekhowa,

[7]neBeti Suri, neSoko, ne-Adulamu,

[8]neGati, neMaresha, neZifi,

[9]ne-Adorayimi, neLakishi, ne-Azeka,

[10]neSora, ne-Ajaloni, neHebroni, ekwaJuda nakwaBenjamini, imizi ebiyelweyo.

[11]Waziqinisa izinqaba, wabeka izinduna kuzo, nokudla, namafutha, newayini.

[12]Emizini yonke, yileyo naleyo, wabeka izihlangu nemikhonto, wayiqinisa kakhulu impela. ElakwaJuda nelakwaBenjamini lalingelakhe.

Abapristi namaLevi baya kwaJuda

[13]Abapristi namaLevi ayekwa-Israyeli wonke bazihlanganisa naye bephuma emikhawulweni yonke.

[14] Ngokuba amaLevi ashiya amadlelo awo nefa lawo, aya kwaJuda naseJerusalema, ngokuba uJerobowamu namadodana akhe

porque Jeroboão e seus filhos os lançaram fora, para que não ministrassem ao SENHOR.

15 Jeroboão constituiu os seus próprios sacerdotes, para os altos, para os sátiros e para os bezerros que fizera.

16 Além destes, também de todas as tribos de Israel os que de coração resolveram buscar o SENHOR, Deus de Israel, foram a Jerusalém, para oferecerem sacrifícios ao SENHOR, Deus de seus pais.

17 Assim, fortaleceram o reino de Judá e corroboraram com Roboão, filho de Salomão, por três anos; porque três anos andaram no caminho de Davi e Salomão.

A família de Roboão

18 Roboão tomou por esposa a Maalate, filha de Jerimote, filho de Davi, e filha de Abiail, filha de Eliabe, filho de Jessé,

19 a qual lhe deu filhos: Jeús, Semarias e Zaão.

20 Depois dela, tomou a Maaca, filha de Absalão; esta lhe deu a Abias, a Atai, a Ziza e a Selomite.

21 Amava Roboão mais a Maaca, filha de Absalão, do que a todas as suas outras mulheres e concubinas; porque ele havia tomado dezoito mulheres e sessenta concubinas; e gerou vinte e oito filhos e sessenta filhas.

bawalahla ukuba angabe esaba ngabapristi bakaJehova,

15 wazimisela abapristi bezindawo eziphakemeyo, nabamademoni, nabamathole awenzileyo.

16Emva kwabo kwaphuma ezizweni zonke zakwa-Israyeli abanhliziyo zabo zibhekiswe ukufuna uJehova uNkulunkulu wakwa-Israyeli, bafika eJerusalema ukuhlabela uJehova uNkulunkulu wawoyise.

17Base bewuqinisa-ke umbuso wakwaJuda, benza uRehobowamu indodana kaSolomoni waba namandla iminyaka emithathu, ngokuba bahamba iminyaka emithathu endleleni kaDavide noSolomoni.

Abafazi nabantwana bakaRehobowamu

18 URehobowamu wazithathela umfazi, uMahalati, indodakazi kaJerimoti indodana kaDavide neka-Abihayili, indodakazi ka-Eliyabe, indodana kaJese.

19Wamzalela amadodana: ngoJewushe, noShemariya, noZahamu.

20 Emva kwakhe wathatha uMahakha, indodakazi ka-Abisalomu; wamzalela o-Abiya, no-Athayi, noZiza, noShelomiti.

21URehobowamu wamthanda uMahakha indodakazi ka-Abisalomu phezu kwabo bonke abafazi bakhe nezancinza zakhe, ngokuba wathatha abafazi abayishumi nesishiyagalombili nezancinza ezingamashumi ayisithupha, wazala amadodana angamashumi amabili

[22] Roboão designou a Abias, filho de Maaca, para ser chefe, príncipe entre seus irmãos, porque o queria fazer rei.

[23] Procedeu prudentemente e distribuiu todos os seus filhos por todas as terras de Judá e Benjamim, por todas as cidades fortificadas; deu-lhes víveres em abundância e lhes procurou muitas mulheres.

nesishiyagalombili namadodakazi angamashumi ayisithupha.

[22]URehobowamu wabeka u-Abiya, indodana kaMahakha, abe yinhloko, abe ngumbusi phakathi kwabafowabo, ngokuba wacabanga ukumbeka inkosi.

[23]Wenza ngokuhlakanipha, wahlakaza onke amadodana akhe emazweni onke akwaJuda noBenjamini, emizini yonke ebiyelweyo, wawanika ukudla okuningi, wawafunela abafazi abaningi.

2 Crônicas 12

A invasão de Sisaque

1 Reis 14.25-28

[1] Tendo Roboão confirmado o reino e havendo-se fortalecido, deixou a lei do SENHOR, e, com ele, todo o Israel.

[2] No ano quinto do rei Roboão, Sisaque, rei do Egito, subiu contra Jerusalém (porque tinham transgredido contra o SENHOR),

[3] com mil e duzentos carros e sessenta mil cavaleiros; era inumerável a gente que vinha com ele do Egito, de líbios, suquitas e etíopes.

[4] Tomou as cidades fortificadas que pertenciam a Judá e veio a Jerusalém.

[5] Então, veio Semaías, o profeta, a Roboão e aos príncipes de Judá, que, por causa de Sisaque, se ajuntaram em Jerusalém, e disse-lhes: Assim diz o SENHOR: Vós me

2 iziKronike 12

UShishaki usukela iJerusalema

[1]Kwathi lapho umbuso kaRehobowamu usuqinisiwe, yena esenamandla, washiya umthetho kaJehova no-Israyeli wonke kanye naye.

[2] Kepha kwathi ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehobowamu, uShishaki inkosi yaseGibithe wakhuphukela eJerusalema, ngokuba babephambukile kuJehova,

[3]enezinqola eziyinkulungwane namakhulu amabili, nabamahhashi abayizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha; abantu babengenakubalwa abaphuma naye eGibithe: ngamaLubi, namaSuki, namaKushe.

[4] Wayithatha imizi ebiyelweyo yakwaJuda, wafika eJerusalema.

Esinye isiprofetho sikaShemaya

[5]Wayesefika uShemaya umprofethi kuRehobowamu nasezikhulwini zakwaJuda ezazibuthene eJerusalema ngenxa kaShishaki, wathi kubo: Usho

deixastes a mim, pelo que eu também vos deixei em poder de Sisaque.

kanje uJehova, uthi: Nina ningishiyile; ngalokho nami nginishiyile esandleni sikaShishaki.

6 Então, se humilharam os príncipes de Israel e o rei e disseram: O SENHOR é justo.

6Zase zizithoba izikhulu zakwa-Israyeli nenkosi, bathi: UJehova ulungile.

7 Vendo, pois, o SENHOR que se humilharam, veio a palavra do SENHOR a Semaías, dizendo: Humilharam-se, não os destruirei; antes, em breve lhes darei socorro, para que o meu furor não se derrame sobre Jerusalém, por intermédio de Sisaque.

7Lapha uJehova ebona ukuthi bayazithoba, kweza izwi likaJehova kuShemaya, lathi: Bazithobile; angiyikubachitha, kepha ngiyakubakhulula emva kwesikhashana, nentukuthelo yami ayiyikuthululelwa phezu kweJerusalema ngesandla sikaShishaki.

8 Porém serão seus servos, para que conheçam a diferença entre a minha servidão e a servidão dos reinos da terra.

8Nokho bayakuba yizinceku zakhe ukuba bazi inkonzo yami nenkonzo yemibuso yezizwe.

UShishaki usukela iJerusalema

9 Subiu, pois, Sisaque, rei do Egito, contra Jerusalém e tomou os tesouros da Casa do SENHOR e os tesouros da casa do rei; tomou tudo. Também levou todos os escudos de ouro que Salomão tinha feito.

9 UShishaki, inkosi yaseGibithe, wakhuphukela eJerusalema, wathatha ingcebo yendlu kaJehova nengcebo yendlu yenkosi, yebo, wathatha konke, wathatha izihlangu zegolide ezenziwe nguSolomoni.

10 Em lugar destes fez o rei Roboão escudos de bronze e os entregou nas mãos dos capitães da guarda, que guardavam a porta da casa do rei.

10Inkosi uRehobowamu yenza izihlangu zethusi esikhundleni sazo, yazinikela ezandleni zezinduna zabalindi abagcina umnyango wendlu yenkosi.

11 Toda vez que o rei entrava na Casa do SENHOR, os da guarda vinham, e usavam os escudos, e tornavam a trazê-los para a câmara da guarda.

11Kwathi njalo uma inkosi ingena endlini kaJehova, zafika izigijimi zizithwele, zazibuyisela ekamelweni labalindi.

12 Tendo-se ele humilhado, apartou-se dele a ira do SENHOR para que não o destruísse de todo; porque em Judá ainda havia boas coisas.

12Kepha lapho esezithoba, intukuthelo kaJehova yabuya kuye ukuba angamchithi ngokupheleleyo, futhi kwakusekhona nokuhle kwaJuda.

O reinado de Roboão
1 Reis 14.21-31

13 Fortificou-se, pois, o rei Roboão em Jerusalém e continuou reinando. Tinha Roboão quarenta e um anos de idade quando começou a reinar e reinou dezessete anos em Jerusalém, cidade que o SENHOR escolheu dentre todas as tribos de Israel, para ali estabelecer o seu nome. Sua mãe se chamava Naamá, amonita.

14 Fez ele o que era mau, porquanto não dispôs o coração para buscar ao SENHOR. 15 Quanto aos mais atos de Roboão, tanto os primeiros como os últimos, porventura, não estão escritos no Livro da História de Semaías, o profeta, e no de Ido, o vidente, no registro das genealogias? Houve guerras entre Roboão e Jeroboão todos os seus dias.

16 Descansou Roboão com seus pais e foi sepultado na Cidade de Davi; e Abias, seu filho, reinou em seu lugar.

2 Crônicas 13

O reinado de Abias

1 Reis 15.1-8

1 No décimo oitavo ano do rei Jeroboão, Abias começou a reinar sobre Judá. Três anos reinou em Jerusalém.

2 Era o nome de sua mãe Micaía, filha de Uriel, de Gibeá. Também houve guerra entre Abias e Jeroboão.

13 Inkosi uRehobowamu yayisiziqinisa-ke eJerusalema yabusa, ngokuba uRehobowamu wayeneminyaka engamashumi amane nanye ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka eyishumi nesikhombisa eJerusalema, umuzi uJehova awukhethileyo ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukuba abeke khona igama lakhe; igama likanina lalinguNahama umAmonikazi.

14Wenza okubi, ngokuba akabhekisanga inhliziyo yakhe ukumfuna uJehova.

15 Izindaba zikaRehobowamu, ezokuqala nezokugcina, angithi zilotshiwe ezindabeni zikaShemaya umprofethi nezika-Ido umboni, zibhalwe ngezizukulwane, na? Kwakukhona njalo ukulwa phakathi kukaRehobowamu noJerobowamu.

16URehobowamu wayeselala koyise, wembelwa emzini kaDavide; u-Abiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

2 iziKronike 13

U-Abiya uyinkosi kwaJuda. Unqoba uJerobowamu

1 Ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJerobowamu u-Abiya waba yinkosi kwaJuda.

2Wabusa iminyaka emithathu eJerusalema; igama likanina lalinguMikhaya indodakazi ka-Uriyeli

waseGibeya. Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Abiya noJerobowamu.

3 Abias ordenou a peleja com um exército de valentes guerreiros, de quatrocentos mil homens escolhidos; e Jeroboão dispôs contra ele a batalha com oitocentos mil homens escolhidos, todos guerreiros valentes.

3U-Abiya waqala ukulwa enempi yamaqhawe anamandla, abantu abakhethiweyo abayizinkulungwane ezingamakhulu amane, kepha uJerobowamu wahlela ukulwa naye enabantu abakhethiweyo abayizinkulungwane ezingamakhulu ayisishiyagalombili, bengamaqhawe anamandla.

4 Pôs-se Abias em pé no alto do monte Zemaraim, que está na região montanhosa de Efraim, e disse: Ouvi-me, Jeroboão e todo o Israel:

4U-Abiya wema entabeni yaseSemarayimi esezintabeni zakwa-Efrayimi, wathi: Ngizweni wena Jerobowamu no-Israyeli wonke:

5 Não vos convém saber que o SENHOR, Deus de Israel, deu para sempre a Davi a soberania de Israel, a ele e a seus filhos, por uma aliança de sal?

5Bekunganifanele ukwazi yini ukuthi uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli wanika uDavide umbuso kwa-Israyeli kuze kube phakade, yena namadodana akhe, ngesivumelwano sikasawoti, na?

6 Contudo, se levantou Jeroboão, filho de Nebate, servo de Salomão, filho de Davi, e se rebelou contra seu senhor.

6 Nokho uJerobowamu indodana kaNebati, inceku kaSolomoni indodana kaDavide, wavuka, wahlubuka inkosi yakhe.

7 Ajuntou-se a ele gente vadia, homens malignos; fortificaram-se contra Roboão, filho de Salomão; sendo Roboão ainda jovem e indeciso, não lhes pôde resistir.

7Kwabuthana kuye amayiyane, abantu ababi, aziqinisa ukulwa noRehobowamu indodana kaSolomoni, uRehobowamu esemusha, inhliziyo isathambile, engenakumelana nawo.

8 Agora, pensais que podeis resistir ao reino do SENHOR, que está nas mãos dos filhos de Davi; bem sois vós uma grande multidão e tendes convosco os bezerros de ouro que Jeroboão vos fez para deuses.

8 Manje nithi niyakumelana nobukhosi bukaJehova obusesandleni samadodana kaDavide, lokhu niyisixuku esikhulu, futhi kukhona amathole egolide enenzelwa wona nguJerobowamu ukuba abe ngonkulunkulu benu.

[9] Não lançastes fora os sacerdotes do SENHOR, os filhos de Arão e os levitas, e não fizestes para vós outros sacerdotes, como as gentes das outras terras? Qualquer que vem a consagrar-se com um novilho e sete carneiros logo se faz sacerdote daqueles que não são deuses.
[10] Porém, quanto a nós, o SENHOR é nosso Deus, e nunca o deixamos; temos sacerdotes, que ministram ao SENHOR, a saber, os filhos de Arão e os levitas na sua obra.

[11] Cada dia, de manhã e à tarde, oferecem holocaustos e queimam incenso aromático, dispondo os pães da proposição sobre a mesa puríssima e o candeeiro de ouro e as suas lâmpadas para se acenderem cada tarde, porque nós guardamos o preceito do SENHOR, nosso Deus; porém vós o deixastes.

[12] Eis que Deus está conosco, à nossa frente, como também os seus sacerdotes, tocando com as trombetas, para rebate contra vós outros, ó filhos de Israel; não pelejeis contra o SENHOR, Deus de vossos pais, porque não sereis bem sucedidos.

[13] Mas Jeroboão ordenou aos que estavam de emboscada que fizessem uma volta e dessem contra eles por detrás; de maneira que estavam em frente dos homens de Judá, e a emboscada, por detrás deles.
[14] Olhou Judá e viu que a peleja estava por diante e por detrás; então, clamaram ao

[9] Anixoshanga yini abapristi bakaJehova, amadodana ka-Aroni namaLevi, nazenzela abapristi ngendlela yabantu bezizwe; bonke abafika ukwahlukaniselwa, bephethe iduna nezinqama eziyisikhombisa, bangaba ngabapristi babangesibo onkulunkulu.

[10] Kepha thina, uJehova unguNkulunkulu wethu; asimshiyanga; sinabapristi abamkhonzayo uJehova, amadodana ka-Aroni namaLevi emisebenzini yabo;

[11] bamshisela uJehova iminikelo yokushiswa nempepho ethaphukayo ekuseni nakusihlwa njalo, basihlela isinkwa sokubukwa etafuleni elihlanzekileyo, bokhela uthi lwezibani lwegolide nezibani zalo kusihlwa njalo, ngokuba thina sigcina imfanelo kaJehova uNkulunkulu wethu, kepha nina nimshiyile.
[12] Futhi bhekani, uNkulunkulu unathi, uyinhloko yethu, kanye nabapristi abaphethe amacilongo okuhlaba umkhosi ukuba bawakhalise ngani; bantwana bakwa-Israyeli, ningalwi noJehova uNkulunkulu wawoyihlo, ngokuba aniyikuphumelela.

[13]Kepha uJerobowamu wayegwegwesisile abaqamekeli ukuba bafike emuva; babe phambi kukaJuda, abaqamekeli babe semva kwabo.

[14]Lapho uJuda esephenduka, bheka, impi yayingaphambili nangasemva kwabo;

SENHOR, e os sacerdotes tocaram as trombetas.

[15] Os homens de Judá gritaram; quando gritavam, feriu Deus a Jeroboão e a todo o Israel diante de Abias e de Judá.

[16] Os filhos de Israel fugiram de diante de Judá, pois Deus os entregara nas suas mãos.

[17] De maneira que Abias e o seu povo fizeram grande matança entre eles; porque caíram feridos de Israel quinhentos mil homens escolhidos.

[18] Assim, foram humilhados os filhos de Israel naquele tempo; prevaleceram os filhos de Judá, porque confiaram no SENHOR, Deus de seus pais.

[19] Abias perseguiu a Jeroboão e lhe tomou cidades: Betel, Jesana e Efrom, com suas respectivas vilas.

[20] Jeroboão não restaurou mais o seu poder no tempo de Abias; feriu o SENHOR a Jeroboão, que morreu.

[21] Abias, porém, se fortificou, e tomou para si catorze mulheres, e gerou vinte e dois filhos e dezesseis filhas.

[22] Quanto aos mais atos de Abias, tanto o que fez como o que disse, estão escritos no Livro da História do Profeta Ido.

bakhala kuJehova, abapristi bakhalisa amacilongo.

[15]Base bekhamuluka abantu bakwaJuda, nalapho abantwana bakwaJuda bekhamuluka, uNkulunkulu washaya oJerobowamu no-Israyeli wonke phambi kuka-Abiya noJuda.

[16]Abantwana bakwa-Israyeli babaleka ebusweni bukaJuda, uNkulunkulu wabanikela esandleni sabo.

[17]U-Abiya nabantu bakhe babaceka ngokuceka okukhulu; kwawa amadoda akhethiweyo akwa-Israyeli abuleweyo ayizinkulungwane ezingamakhulu ayisihlanu.

[18]Bathotshiswa-ke ngaleso sikhathi abantwana bakwa-Israyeli; kepha abantwana bakwaJuda bahlula, ngokuba babencika kuJehova uNkulunkulu wawoyise.

[19]U-Abiya wamxosha uJerobowamu, wamaphuca imizi: iBethele nemizana yalo, neJeshana nemizana yalo, ne-Efroni nemizana yalo.

[20]Futhi uJerobowamu akabe esaba namandla emihleni ka-Abiya; uJehova wamshaya, wafa.

[21]Kepha u-Abiya waba namandla, wazithathela abafazi abayishumi nane, wazala amadodana angamashumi amabili nambili namadodakazi ayishumi nesithupha.

[22] Ezinye izindaba zika-Abiya, nezindlela zakhe, namazwi akhe, kulotshiwe esichasiselweni somprofethi u-Ido.

2 Crônicas 14

O reinado de Asa
1 Reis 15.9-24

1 Abias descansou com seus pais, e o sepultaram na Cidade de Davi. Em seu lugar reinou seu filho Asa, em cujos dias a terra esteve em paz dez anos.

2 Asa fez o que era bom e reto perante o SENHOR, seu Deus.

3 Porque aboliu os altares dos deuses estranhos e o culto nos altos, quebrou as colunas e cortou os postes-ídolos.

4 Ordenou a Judá que buscasse ao SENHOR, Deus de seus pais, e que observasse a lei e o mandamento.

5 Também aboliu de todas as cidades de Judá o culto nos altos e os altares do incenso; e houve paz no seu reinado.

6 Edificou cidades fortificadas em Judá, pois havia paz na terra, e não houve guerra contra ele naqueles anos, porquanto o SENHOR lhe dera repouso.

7 Disse, pois, a Judá: Edifiquemos estas cidades, cerquemo-las de muros e torres, portas e ferrolhos, enquanto a terra ainda está em paz diante de nós, pois temos buscado ao SENHOR, nosso Deus; temo-lo buscado, e ele nos deu repouso de todos os lados.

8 Edificaram e prosperaram. Tinha Asa, no seu exército, trezentos mil de Judá, que traziam pavês e lança, e duzentos e oitenta mil de Benjamim, que traziam escudo e

2 iziKronike 14

U-Asa uyinkosi kwaJuda. Unqoba amaKushe

1 U-Abiya wayeselala koyise; bammbela emzini kaDavide; u-Asa indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe: emihleni yakhe izwe lazola iminyaka eyishumi.

2 U-Asa wenza okuhle nokulungile emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakhe.

3 Wawasusa ama-altare abezizwe nezindawo eziphakemeyo, wazibhidliza izinsika, wabagawula o-Ashera,

4 wamtshela uJuda ukuba amfune uJehova uNkulunkulu wawoyise, awenze umthetho nemiyalo.

5 Wasusa kuyo imizi yakwaJuda izindawo eziphakemeyo, nama-altare empepho; umbuso wazola phambi kwakhe.

6 Wakha imizi ebiyelweyo kwaJuda, ngokuba izwe lazola, engenampi kuleyo minyaka, ngokuba uJehova wayemphumuzile.

7 Wathi kuJuda: Masakhe le mizi, siyihaqe ngogange, nangemibhoshongo, nangezivalo, nangemigoqo; izwe lisephambi kwethu, ngokuba simfunile uJehova uNkulunkulu wethu; simfunile, wasiphumuza nxazonke. Base bakha-ke, baphumelela.

8 U-Asa wayenempi ephethe izihlangu nemikhonto, evela kwaJuda, iyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu, nevela kwaBenjamini,

atiravam com arco; todos eram homens valentes.

ephethe amahawu nensala iminsalo, iyizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili; bonke labo babe ngamaqhawe anamandla.

Asa vence a Zerá, o etíope

9 Zerá, o etíope, saiu contra eles, com um exército de um milhão de homens e trezentos carros, e chegou até Maressa.

9Kwaphuma ukulwa nabo uZera umKushe enempi eyizinkulungwane eziyinkulungwane nezinqola ezingamakhulu amathathu, wafika eMaresha.

10 Então, Asa saiu contra ele; e ordenaram a batalha no vale de Zefatá, perto de Maressa.

10U-Asa wayesephuma ukuhlangabezana naye, bahlela impi esigodini saseSefata ngaseMaresha.

11 Clamou Asa ao SENHOR, seu Deus, e disse: SENHOR, além de ti não há quem possa socorrer numa batalha entre o poderoso e o fraco; ajuda-nos, pois, SENHOR, nosso Deus, porque em ti confiamos e no teu nome viemos contra esta multidão. SENHOR, tu és o nosso Deus, não prevaleça contra ti o homem.

11 U-Asa wakhala kuJehova uNkulunkulu wakhe, wathi: Jehova, akakho ngaphandle kwakho ongasiza phakathi konamandla amakhulu nongenawo; sisize, Jehova Nkulunkulu wethu, ngokuba sencika kuwe, sifike ngegama lakho kulesi sixuku. Jehova, wena unguNkulunkulu wethu, mawungahlulwa muntu.

12 O SENHOR feriu os etíopes diante de Asa e diante de Judá; e eles fugiram.

12 UJehova wawashaya amaKushe phambi kuka-Asa naphambi kukaJuda; amaKushe abaleka.

13 Asa e o povo que estava com ele os perseguiram até Gerar; e caíram os etíopes sem restar nem um sequer; porque foram destroçados diante do SENHOR e diante do seu exército, e levaram dali mui grande despojo.

13U-Asa nabantu ababe naye bawaxosha kwaze kwaba seGerari, kwawa amaKushe kwaze kwangasala muntu ophilayo, ngokuba achithwa phambi kukaJehova naphambi kwempi yakhe, bamuka nempango enkulu kakhulu.

14 Feriram todas as cidades ao redor de Gerar, porque o terror do SENHOR as havia invadido; e saquearam todas as cidades, porque havia nelas muita presa.

14Bachitha yonke imizi ezungeza iGerari, ngokuba ingebhe ngoJehova yayiphezu kwabo; baphanga yonke imizi, ngokuba kwakukhona impango eningi kuyo.

[15] Também feriram as tendas dos donos do gado, levaram ovelhas em abundância e camelos e voltaram para Jerusalém.

[15]Bachitha namatende ezinkomo, bamuka nezimvu eziningi namakamela, babuyela eJerusalema.

2 Crônicas 15

As reformas religiosas de Asa

[1] Veio o Espírito de Deus sobre Azarias, filho de Odede.

[2] Este saiu ao encontro de Asa e lhe disse: Ouvi-me, Asa, e todo o Judá, e Benjamim. O SENHOR está convosco, enquanto vós estais com ele; se o buscardes, ele se deixará achar; porém, se o deixardes, vos deixará.

[3] Israel esteve por muito tempo sem o verdadeiro Deus, sem sacerdote que o ensinasse e sem lei.

[4] Mas, quando, na sua angústia, eles voltaram ao SENHOR, Deus de Israel, e o buscaram, foi por eles achado.

[5] Naqueles tempos, não havia paz nem para os que saíam nem para os que entravam, mas muitas perturbações sobre todos os habitantes daquelas terras.

[6] Porque nação contra nação e cidade contra cidade se despedaçavam, pois Deus os conturbou com toda sorte de angústia.

[7] Mas sede fortes, e não desfaleçam as vossas mãos, porque a vossa obra terá recompensa.

[8] Ouvindo, pois, Asa estas palavras e a profecia do profeta, filho de Odede, cobrou ânimo e lançou as abominações fora de toda a terra de Judá e de

2 iziKronike 15

Isiprofetho sika-Azariya. Umkhosi wokubonga kuka-Asa

[1]UMoya kaNkulunkulu waba phezu kuka-Azariya indodana ka-Odedi;

[2] waphuma ukuhlangabeza u-Asa, wathi kuye: Ngizweni, Asa, noJuda wonke, noBenjamini, uJehova unani, uma ninaye; uma nimfuna, uyakufunyanwa yinina; kepha uma nimshiya, uyakunishiya nani.

[3]Kwakuyizinsuku eziningi u-Israyeli engenaye uNkulunkulu oqinisileyo, namfundisi ofundisayo, namthetho;

[4] kepha ekuhluphekeni kwabo baphendukela kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, bamfuna; wafunyanwa yibo.

[5] Ngaleso sikhathi kwakungekho kuthula kophumayo nakongenayo, ngokuba ukuphaphatheka okukhulu kwakukhona phezu kwabo bonke abakhe ezweni.

[6] Isizwe saphahlazwa yisizwe nomuzi ngumuzi, ngokuba uNkulunkulu wabesabisa ngezinkathazo zonke.

[7]Kepha nina yibani namandla, zingadangali izandla zenu, ngokuba umsebenzi wenu uyakuba nomvuzo wawo.

[8]Lapho u-Asa esezwa lawo mazwi nesiprofetho sika-Azariya ka-Odedi umprofethi, waziqinisa isibindi, wasusa izinengiso ezweni lonke lakwaJuda

Benjamim, como também das cidades que tomara na região montanhosa de Efraim; e renovou o altar do SENHOR, que estava diante do pórtico do SENHOR.

noBenjamini, nasemizini ayeyithathile ezintabeni zakwa-Efrayimi, walivusa i-altare likaJehova elaliphambi kompheme kaJehova.

9 Congregou todo o Judá e Benjamim e também os de Efraim, Manassés e Simeão que moravam no seu meio, porque muitos de Israel desertaram para ele, vendo que o SENHOR, seu Deus, era com ele.

9Wabutha wonke uJuda noBenjamini nabagogobele kubo bevela kwa-Efrayimi, nakwaManase, nakwaSimeyoni, ngokuba abaningi bahlubukela kuye bevela kwa-Israyeli, lapho bebona ukuthi uJehova uNkulunkulu wakhe unaye.

10 Reuniram-se, em Jerusalém, no terceiro mês, no décimo quinto ano do reinado de Asa.

10Babuthana eJerusalema ngenyanga yesithathu ngomnyaka weshumi nanhlanu wokubusa kuka-Asa.

11 Naquele dia, ofereceram em sacrifício ao SENHOR, do despojo que trouxeram, setecentos bois e sete mil ovelhas.

11 Bahlabela uJehova ngalolo suku empangweni ababeyilethile, izinkabi ezingamakhulu ayisikhombisa nezimvu eziyizinkulungwane eziyisikhombisa.

12 Entraram em aliança de buscarem ao SENHOR, Deus de seus pais, de todo o coração e de toda a alma;

12 Bangena esivumelwaneni sokumfuna uJehova uNkulunkulu wawoyise ngayo yonke inhliziyo yabo nangawo wonke umphefumulo wabo,

13 e de que todo aquele que não buscasse ao SENHOR, Deus de Israel, morresse, tanto o menor como o maior, tanto homem como mulher.

13nesokuba bonke ababengamfuni uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli babulawe, noma bebancane noma bebakhulu, owesilisa noma owesifazane.

14 Juraram ao SENHOR, em alta voz, com júbilo, e com clarins, e com trombetas.

14Bafunga kuJehova ngezwi elikhulu, nangokukhamuluka, nangamacilongo, nangemitshingo.

15 Todo o Judá se alegrou por motivo deste juramento, porque, de todo o coração, eles juraram e, de toda a boa vontade, buscaram ao SENHOR, e por eles foi achado. O SENHOR lhes deu paz por toda parte.

15Wonke uJuda wathokoza ngesifungo, ngokuba babefungile ngayo yonke inhliziyo yabo, bamfuna ngakho konke ukufisa kwabo; wafunyanwa yibo; uJehova wabaphumuza nxazonke.

[16] O rei Asa depôs também a Maaca, sua mãe, da dignidade de rainha-mãe, porquanto ela havia feito a Aserá, uma abominável imagem; Asa destruiu-lhe a imagem, que, feita em pó, queimou no vale de Cedrom.
[17] Os altos, porém, não foram tirados de Israel; todavia, o coração de Asa foi perfeito todos os seus dias.
[18] Trouxe à Casa de Deus as coisas consagradas por seu pai e as coisas que ele mesmo consagrara: prata, ouro e objetos de utilidade.

[19] Não houve guerra até ao trigésimo quinto ano do reinado de Asa.

2 Crônicas 16

Asa faz aliança com o rei da Síria
1 Reis 15.16-22

[1] No trigésimo sexto ano do reinado de Asa, subiu Baasa, rei de Israel, contra Judá e edificou a Ramá, para que a ninguém fosse permitido sair de junto de Asa, rei de Judá, nem chegar a ele.

[2] Então, Asa tomou prata e ouro dos tesouros da Casa do SENHOR e dos tesouros da casa do rei e enviou servos a Ben-Hadade, rei da Síria, que habitava em Damasco, dizendo:

[3] Haja aliança entre mim e ti, como houve entre meu pai e teu pai. Eis que te mando prata e ouro; vai e anula a tua aliança com

[16] Wamsusa uMahakha unina ka-Asa inkosi ebukhosikazini, ngokuba wayemenzele u-Ashera isithombe esinengekayo; u-Asa wagawula isithombe sakhe, wasicolisisa, wasishisa ngasemfudlaneni iKidroni.
[17]Kodwa izindawo eziphakemeyo azisuswanga kwa-Israyeli; nokho inhliziyo ka-Asa yayiphelele zonke izinsuku zakhe.

[18]Wangenisa endlini kaNkulunkulu izinto ezingcwele zikayise nezinto zakhe ezingcwele: isiliva, negolide, nezitsha.

[19]Akwabe kusaba khona ukulwa kwaze kwaba semnyakeni wamashumi amathathu nanhlanu wokubusa kuka-Asa.

2 iziKronike 16

Isivumelwano sika-Asa noBeni Hadadi

[1] Ngomnyaka wamashumi amathathu nesithupha wokubusa kuka-Asa, uBahasha, inkosi yakwa-Israyeli, wakhuphuka ukuhlasela uJuda, wakha iRama, ukuze angavumeli muntu ukuphuma nokungena ku-Asa inkosi yakwaJuda.
[2] U-Asa wakhipha isiliva negolide engcebeni yendlu kaJehova nasendlini yenkosi, wathumela kuBeni Hadadi, inkosi yase-Aramu owahlala eDamaseku, wathi:
[3] Kukhona isivumelwano phakathi kwami nawe, njengalokho sasikhona phakathi kukababa noyihlo; bheka, ngithuma kuwe isiliva negolide; hamba waphule

Baasa, rei de Israel, para que se retire de mim.

4 Ben-Hadade deu ouvidos ao rei Asa e enviou os capitães dos seus exércitos contra as cidades de Israel; e feriu a Ijom, a Dã, a Abel-Maim e todas as cidades-armazéns de Naftali.

5 Ouvindo isso Baasa, deixou de edificar a Ramá e não continuou a sua obra.

6 Então, o rei Asa tomou todo o Judá, e trouxeram as pedras de Ramá e a sua madeira com que Baasa a edificara; com elas edificou Asa a Geba e a Mispa.

Asa repreendido por Hanani

7 Naquele tempo, veio Hanani a Asa, rei de Judá, e lhe disse: Porquanto confiaste no rei da Síria e não confiaste no SENHOR, teu Deus, o exército do rei da Síria escapou das tuas mãos.

8 Acaso, não foram os etíopes e os líbios grande exército, com muitíssimos carros e cavaleiros? Porém, tendo tu confiado no SENHOR, ele os entregou nas tuas mãos.

9 Porque, quanto ao SENHOR, seus olhos passam por toda a terra, para mostrar-se forte para com aqueles cujo coração é totalmente dele; nisto procedeste loucamente; por isso, desde agora, haverá guerras contra ti.

10 Porém Asa se indignou contra o vidente e o lançou no cárcere, no tronco, porque se enfurecera contra ele por causa disso;

isivumelwano sakho noBahasha inkosi yakwa-Israyeli ukuba asuke kimi.

4UBeni Hadadi wayilalela inkosi u-Asa, wathuma izinduna zempi yakhe ukuba zihlasele imizi yakwa-Israyeli; zanqoba i-Ijoni, neDani, ne-Abela Mayimi, nayo yonke imizi yokubekelela yakwaNafetali.

5Kwathi lapho uBahasha esekuzwile lokho, wayeka ukwakha iRama, wamisa umsebenzi wakhe.

6Kepha u-Asa inkosi wahamba naye wonke uJuda; basusa amatshe aseRama nemithi yalo uBahasha ayelakhe ngakho; wakha ngakho iGeba neMispa.

Isiprofetho sikaHanani

7Ngaleso sikhathi kweza uHanani, umboni ka-Asa, inkosi yakwaJuda, wathi kuye: Ngokuba wencike enkosini yase-Aramu, ungencikanga kuJehova uNkulunkulu wakho, ngalokho impi yenkosi yase-Aramu iphunyukile esandleni sakho.

8 AmaKushe namaLubi ayengesiyo impi enkulu yini, inezinqola nabamahhashi abaningi kakhulu na? Kepha ngenxa yokwencika kwakho kuJehova wawanikela esandleni sakho.

9 Ngokuba amehlo kaJehova aqalaza emhlabeni wonke ukuba abe namandla kwabanhliziyo yabo iphelele kuye; wenze ngobuwula kule nto, ngokuba kusukela manje uyakuba nokulwa njalo.

10U-Asa wacunuka ngomboni, wamfaka endlini yezitokisi, ngokuba wamfutha ngenxa yale nto. U-Asa wabadlova nabathile babantu ngaleso sikhathi.

na mesma ocasião, oprimiu Asa alguns do povo.

[11] Eis que os mais atos de Asa, tanto os primeiros como os últimos, estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá e Israel.

A morte de Asa
1 Reis 15.23-24

[12] No trigésimo nono ano do seu reinado, caiu Asa doente dos pés; a sua doença era em extremo grave; contudo, na sua enfermidade não recorreu ao SENHOR, mas confiou nos médicos.

[13] Descansou Asa com seus pais; morreu no quadragésimo primeiro ano do seu reinado.

[14] Sepultaram-no no sepulcro que mandara abrir para si na Cidade de Davi; puseram-no sobre um leito, que se enchera de perfumes e de várias especiarias, preparados segundo a arte dos perfumistas. Foi mui grande a queima que lhe fizeram destas coisas.

2 Crônicas 17

Estabelecido o reinado de Josafá

[1] Em lugar de Asa, reinou seu filho Josafá, que se fortificou contra Israel;

[2] ele pôs tropas em todas as cidades fortificadas de Judá e estabeleceu guarnições na terra de Judá, como também nas cidades de Efraim, que Asa, seu pai, tinha tomado.

Ukugula nokufa kuka-Asa

[11]Bheka, izindaba zika-Asa, ezokuqala nezokugcina, bheka-ke, zilotshiwe encwadini yamakhosi akwaJuda nakwa-Israyeli.

[12]Ngomnyaka wamashumi amathathu nesishiyagalolunye wokubusa kwakhe u-Asa waba nesifo ezinyaweni zakhe; isifo sakhe sasinzima kakhulu; kepha akafunanga uJehova esifweni sakhe, izinyanga zodwa.

[13]U-Asa wayeselala koyise, wafa ngomnyaka wamashumi amane nanye wokubusa kwakhe.

[14] Bammbela emathuneni akhe owayeziqophele wona emzini kaDavide, bambeka embhedeni ogcwele iphunga elimnandi namakha ayizinhlobonhlobo, alungisiwe ngokwenza komthaki; bamenzela ukushisa kwempepho okukhulu kakhulu.

2 iziKronike 17

UJehoshafati uyinkosi kwaJuda. Amandla akhe

[1] UJehoshafati indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe, waziqinisa ukulwa no-Israyeli.

[2]Wabeka amabutho emizini yonke ebiyelweyo yakwaJuda, wabeka amakhanda ezweni lakwaJuda, nasemizini yakwa-Efrayimi u-Asa uyise ayithathileyo.

[3] O SENHOR foi com Josafá, porque andou nos primeiros caminhos de Davi, seu pai, e não procurou a baalins.

[4] Antes, procurou ao Deus de seu pai e andou nos seus mandamentos e não segundo as obras de Israel.

[5] O SENHOR confirmou o reino nas suas mãos, e todo o Judá deu presentes a Josafá, o qual teve riquezas e glória em abundância.

[6] Tornou-se-lhe ousado o coração em seguir os caminhos do SENHOR, e ainda tirou os altos e os postes-ídolos de Judá.

[7] No terceiro ano do seu reinado, enviou ele os seus príncipes Ben-Hail, Obadias, Zacarias, Natanael e Micaías, para ensinarem nas cidades de Judá;

[8] e, com eles, os levitas Semaías, Netanias, Zebadias, Asael, Semiramote, Jônatas, Adonias, Tobias e Tobe-Adonias; e, com estes levitas, os sacerdotes Elisama e Jeorão.

[9] Ensinaram em Judá, tendo consigo o Livro da Lei do SENHOR; percorriam todas as cidades de Judá e ensinavam ao povo.

[10] Veio o terror do SENHOR sobre todos os reinos das terras que estavam ao redor de Judá, de maneira que não fizeram guerra contra Josafá.

[11] Alguns dos filisteus traziam presentes a Josafá e prata como tributo; também os arábios lhe trouxeram gado miúdo, sete

[3]UJehova wayenaye uJehoshafati, ngokuba wahamba ngezindlela zokuqala zikayise uDavide, akafunanga oBali,

[4]kepha wafuna uNkulunkulu kayise, wahamba ngemiyalo yakhe, kungengakwenza kuka-Israyeli.

[5]Ngalokho uJehova wawuqinisa umbuso esandleni sakhe; wonke uJuda wathela intela kuJehoshafati, wayenengcebo nodumo olukhulu.

[6]Inhliziyo yakhe yaphakanyiswa ezindleleni zikaJehova; futhi wasusa izindawo eziphakemeyo nawo-Ashera kwaJuda.

[7]Ngomnyaka wesithathu wokubusa kwakhe wathuma izikhulu zakhe oBeni Hayili, no-Obadiya, noZakariya, noNethaneli, noMikhaya ukuba zifundise emizini yakwaJuda,

[8]zinamaLevi oShemaya, noNethaniya, noZebadiya, no-Asaheli, noShemiramoti, noJehonathani, no-Adoniya, noThobiya, noThobi Adoniya, amaLevi, beno-Elishama noJehoramu, abapristi.

[9]Base befundisa kwaJuda benencwadi yomthetho kaJehova; bazungeza baya emizini yonke yakwaJuda, bafundisa phakathi kwabantu.

[10]Kwehlela ingebhe ngoJehova phezu kwayo yonke imibuso yamazwe eyayinxazonke zakwaJuda, ayilwanga noJehoshafati.

[11]AmaFilisti athile aletha izipho kuJehoshafati, nesiliva lentela; nabase-Arabiya baletha kuye imihlambi,

mil e setecentos carneiros e sete mil e setecentos bodes.

izinqama eziyizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisikhombisa nezimpongo eziyizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisikhombisa.

12 Josafá se engrandeceu em extremo, continuamente; e edificou fortalezas e cidades-armazéns em Judá.

12UJehoshafati wayelokhu ekhula njalo, waze waba mkhulu kakhulu; wakha izinqaba nemizi yokubekelela kwaJuda.

13 Empreendeu muitas obras nas cidades de Judá; e tinha, em Jerusalém, gente de guerra e homens valentes.

13Wayenemisebenzi eminingi emizini yakwaJuda kanye namadoda empi, amaqhawe anamandla, eJerusalema.

14 Este é o número deles segundo as suas famílias: em Judá, eram capitães de mil: o chefe Adna e, com ele, trezentos mil homens valentes;

14Nakhu ukubalwa kwabo njengezindlu zawoyise: kwaJuda: izinduna zezinkulungwane: ngu-Adina induna, enamaqhawe anamandla ayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu;

15 depois dele, o capitão Joanã e, com ele, duzentos e oitenta mil;

15emva kwakhe kwakunguJehohanani induna, enezinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisihiyagalombili;

16 e, depois, Amasias, filho de Zicri, que, voluntariamente, se ofereceu ao serviço do SENHOR, e, às suas ordens, duzentos mil homens valentes.

16emva kwakhe kwakungu-Amasiya indodana kaZikiri, owazinikela ngenhliziyo kuJehova, enamaqhawe anamandla ayizinkulungwane ezingamakhulu amabili;

17 De Benjamim, Eliada, homem valente, e, com ele, duzentos mil, armados de arco e de escudo;

17kwaBenjamini: ngu-Eliyada, iqhawe elinamandla, enabahlome iminsalo nezihlangu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili;

18 depois dele, Jozabade, com cento e oitenta mil armados para a guerra.

18emva kwakhe kwakunguJehozabadi, enabahlomele impi abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili.

[19] Estavam estes no serviço do rei, afora os que o rei tinha posto nas cidades fortificadas por todo o Judá.

2 Crônicas 18

Aliança entre Josafá e Acabe

1 Reis 22.1-4

[1] Tinha Josafá riquezas e glória em abundância; e aparentou-se com Acabe.

[2] Ao cabo de alguns anos, foi ter com Acabe, em Samaria. Acabe matou ovelhas e bois em abundância, para ele e para o povo que viera com ele; e o persuadiu a subir, com ele, a Ramote-Gileade.

[3] Acabe, rei de Israel, perguntou a Josafá, rei de Judá: Irás tu, comigo, a Ramote-Gileade? Respondeu-lhe Josafá: Serei como tu és, o meu povo, como o teu povo; iremos, contigo, à peleja.

As promessas dos falsos profetas
1 Reis 22.5-12

[4] Disse mais Josafá ao rei de Israel: Consulta, primeiro, a palavra do SENHOR.

[5] Então, o rei de Israel ajuntou os profetas, quatrocentos homens, e lhes disse: Iremos à peleja contra Ramote-Gileade ou deixarei de ir? Eles disseram:

[6] Sobe, porque Deus a entregará nas mãos do rei. Disse, porém, Josafá: Não há, aqui, ainda algum profeta do SENHOR, para o consultarmos?

[19]Yilabo ababekhonza inkosi ngaphandle kwalabo inkosi eyababeka emizini ebiyelweyo kulo lonke lakwaJuda.

2 iziKronike 18

O-Ahabi noJehoshafati bahlasela i-Aramu. Ukufa kuka-Ahabi

[1] UJehoshafati wayenengcebo nodumo olukhulu, wahlangana ngobuhlobo no-Ahabi.

[2] Ngasekugcineni kweminyaka ethile wehlela ku-Ahabi eSamariya. U-Ahabi wamhlabela yena nabantu ababenaye izimvu nezinkabi eziningi, wamncenga ukuba akhuphukele eRamoti Gileyadi.

[3]U-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli wathi kuJehoshafati inkosi yakwaJuda: Uyakuhamba nami, siye eRamoti Gileyadi, na? Wathi kuye: Mina nginjengawe, abantu bami banjengabantu bakho; siyakuba nawe empini.

[4]UJehoshafati wathi enkosini yakwa-Israyeli: Ake ubuze namuhla izwi likaJehova.

[5]Inkosi yakwa-Israyeli yayisibutha abaprofethi, amadoda angamakhulu amane, yathi kubo: Sihambe siye yini eRamoti Gileyadi ukulwa, noma ngiliyeke na? Bathi: Khuphukani, ngokuba uNkulunkulu uyakulinikela esandleni senkosi.

[6]Kepha uJehoshafati wathi: Akusekho mprofethi kaJehova lapha ukuba sibuze kuye na?

[7] Respondeu o rei de Israel a Josafá: Há um ainda, por quem podemos consultar o SENHOR; porém eu o aborreço, porque nunca profetiza de mim o que é bom, mas somente o que é mau.

[8] Este é Micaías, filho de Inlá. Disse Josafá: Não fale o rei assim. Então, o rei de Israel chamou um oficial e disse: Traze-me depressa a Micaías, filho de Inlá.

[9] O rei de Israel e Josafá, rei de Judá, estavam assentados, cada um no seu trono, vestidos de trajes reais, numa eira à entrada da porta de Samaria; e todos os profetas profetizavam diante deles.

[10] Zedequias, filho de Quenaana, fez para si uns chifres de ferro e disse: Assim diz o SENHOR: Com este, escornearás os siros, até de todo os consumir.

[11] Todos os profetas profetizaram assim, dizendo: Sobe a Ramote-Gileade e triunfarás, porque o SENHOR a entregará nas mãos do rei.

A profecia de Micaías

1 Reis 22.13-28

[12] O mensageiro que fora chamar a Micaías falou-lhe, dizendo: Eis que as palavras dos profetas, a uma voz, predizem coisas boas para o rei; seja, pois, a tua palavra como a palavra de um deles, e fala o que é bom.

[7]Inkosi yakwa-Israyeli yathi kuJehoshafati: Kusekhona umuntu munye esingabuza ngaye kuJehova, kodwa ngiyamzonda, ngokuba akazange aprofethe okuhle ngami, kepha okubi njalo; nguMikhaya indodana kaJimila. Wathi uJehoshafati: Inkosi mayingasho njalo.

[8]Inkosi yakwa-Israyeli yayisibiza induna, yathi: Landa masinyane uMikhaya indodana kaJimila.

[9]Inkosi yakwa-Israyeli noJehoshafati inkosi yakwaJuda babehlezi, kwaba yilowo nalowo esihlalweni sakhe sobukhosi, bembethe izambatho zabo, behlezi esibuyeni ngasesikhaleni sesango laseSamariya; bonke abaprofethi baprofetha phambi kwabo.

[10]USedekiya indodana kaKhenahana wazenzela izimpondo zensimbi, wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Ngalezi uyakuqhubukusha ama-Aramu aze aphele.

[11]Bonke abaprofethi baprofetha kanje, bathi: Khuphukela eRamoti Gileyadi, ube nempumelelo, ngokuba uJehova uyakulinikela esandleni senkosi.

[12]Isithunywa ebesihambile ukumbiza uMikhaya sakhuluma kuye, sathi: Bheka, amazwi abaprofethi mahle enkosini ngamlomo munye; ngalokho izwi lakho malibe njengelinye labo, ukhulume okuhle.

[13] Respondeu Micaías: Tão certo como vive o SENHOR, o que meu Deus me disser, isso falarei.

[14] E, vindo ele ao rei, este lhe perguntou: Micaías, iremos a Ramote-Gileade, à peleja, ou deixarei de ir? Ele respondeu: Sobe e triunfarás, porque eles serão entregues nas vossas mãos.

[15] O rei lhe disse: Quantas vezes te conjurarei que não me fales senão a verdade em nome do SENHOR?

[16] Então, disse ele: Vi todo o Israel disperso pelos montes, como ovelhas que não têm pastor; e disse o SENHOR: Estes não têm dono; torne cada um em paz para sua casa.

[17] Então, o rei de Israel disse a Josafá: Não te disse eu que ele não profetiza a meu respeito o que é bom, mas somente o que é mau?

[18] Micaías prosseguiu: Ouvi, pois, a palavra do SENHOR: Vi o SENHOR assentado no seu trono, e todo o exército do céu estava à sua direita e à sua esquerda.

[19] Perguntou o SENHOR: Quem enganará Acabe, o rei de Israel, para que suba e caia em Ramote-Gileade? Um dizia desta maneira, e outro, de outra.

[20] Então, saiu um espírito, e se apresentou diante do SENHOR, e disse: Eu o enganarei. Perguntou-lhe o SENHOR: Com quê?

[13]Kepha uMikhaya wathi: Kuphila kukaJehova, lokhu uNkulunkulu wami akushoyo, lokhu ngiyakukhuluma khona.

[14]Esefikile enkosini, inkosi yathi kuye: Mikhaya, sihambe silwe neRamoti Gileyadi, noma ngiliyeke na? Wathi: Khuphukani, nibe nempumelelo; bayakunikelwa esandleni senu.

[15]Yayisithi kuye inkosi: Ngiyakukufungisa izikhathi ezingaki ukuba ungakhulumi lutho kimi ngaphandle kweqiniso egameni likaJehova na?

[16]Wayesethi: Ngabona wonke u-Israyeli ehlakazekile ezintabeni njengezimvu ezingenamalusi; uJehova wathi: Laba abasenankosi; mababuyele, kube yilowo nalowo endlini yakhe ngokuthula.

[17]Yayisithi inkosi yakwa-Israyeli kuJehoshafati: Angishongo yini kuwe ukuthi akayikuprofetha okuhle ngami, okubi kuphela, na?

[18]UMikhaya wathi: Ngalokho yizwani izwi likaJehova: Ngambona uJehova ehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi, nebandla lonke lasezulwini limi ngakwesokunene nangakwesokhohlo sakhe.

[19]UJehova wathi: Ngubani oyakuyenga u-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli ukuba akhuphuke, afele eRamoti Gileyadi na? Omunye washo ukuthi nomunye ukuthi.

[20]Kwavela umoya, wema phambi kukaJehova, wathi: Mina ngiyakumyenga. UJehova wathi kuye: Ngantoni na?

[21] Respondeu ele: Sairei e serei espírito mentiroso na boca de todos os seus profetas. Disse o SENHOR: Tu o enganarás e ainda prevalecerás; sai e faze-o assim.

[22] Eis que o SENHOR pôs o espírito mentiroso na boca de todos estes teus profetas e o SENHOR falou o que é mau contra ti.

[23] Então, Zedequias, filho de Quenaana, deu uma bofetada em Micaías e disse:

[24] Por onde saiu o Espírito do SENHOR para falar a ti? Disse Micaías: Eis que o verás naquele mesmo dia, quando entrares de câmara em câmara, para te esconderes.

[25] Então, disse o rei de Israel: Tomai a Micaías e devolvei-o a Amom, governador da cidade, e a Joás, filho do rei;

[26] e direis: Assim diz o rei: Metei este homem na casa do cárcere e angustiai-o com escassez de pão e de água, até que eu volte em paz.

[27] Disse Micaías: Se voltares em paz, não falou o SENHOR, na verdade, por mim. Disse mais: Ouvi isto, vós, todos os povos!

A morte de Acabe
1 Reis 22.29-40

[28] Subiram o rei de Israel e Josafá, rei de Judá, a Ramote-Gileade.

[29] Disse o rei de Israel a Josafá: Eu me disfarçarei e entrarei na peleja; tu, porém,

[21] Wathi: Ngiyakuphuma ngibe ngumoya wamanga emilonyeni yabaprofethi bakhe bonke. Wathi: Uyakumyenga, futhi uyakumahlula; hamba, wenze njalo.

[22] Bheka, ngalokho uJehova ubekile umoya wamanga emilonyeni yalaba baprofethi bakho; uJehova ukhulumile okubi ngawe.

[23] USedekiya indodana kaKhenahana wayesesondela, wamshaya uMikhaya esihlathini, wathi: UMoya kaJehova wasuka kimi ngaphi ukuba akhulume kuwe na?

[24]Wathi uMikhaya: Bheka, uyakukubona ngalolo suku oyakungena ngalo emakamelweni ngamakamelo ukuba ucashe.

[25]Inkosi yakwa-Israyeli yathi: Mthatheni uMikhaya, nimbuyisele ku-Amoni umbusi womuzi nakuJowashi indodana yenkosi,

[26]nithi: Isho kanje inkosi, ithi: Fakani lona etilongweni, nimuphe isinkwa sokuhlupheka namanzi okuhlupheka, ngize ngibuye ngokuphila.

[27] Wayesethi uMikhaya: Uma ubuya impela ngokuphila, uyakube engakhulumanga ngami uJehova. Wathi futhi: Yizwani nina bantu bonke.

[28]Inkosi yakwa-Israyeli noJehoshafati inkosi yakwaJuda base bekhuphukela eRamoti Gileyadi.

[29]Inkosi yakwa-Israyeli yathi kuJehoshafati: Ngiyakuziguqula, ngingene ekulweni, kepha wena

traja as tuas vestes. Disfarçou-se, pois, o rei de Israel, e entraram na peleja.

30 Ora, o rei da Síria dera ordem aos capitães dos seus carros, dizendo: Não pelejareis nem contra pequeno nem contra grande, mas somente contra o rei de Israel.

31 Vendo os capitães dos carros a Josafá, disseram: Este é o rei de Israel. Portanto, a ele se dirigiram para o atacar. Josafá, porém, gritou, e o SENHOR o socorreu; Deus os desviou dele.

32 Vendo os capitães dos carros que não era o rei de Israel, deixaram de o perseguir.

33 Então, um homem entesou o arco e, atirando ao acaso, feriu o rei de Israel por entre as juntas da sua armadura; então, disse este ao seu cocheiro: Vira e leva-me para fora do combate, porque estou gravemente ferido.

34 A peleja tornou-se renhida naquele dia; quanto ao rei, segurou-se a si mesmo de pé no carro defronte dos siros, até à tarde, mas, ao pôr-do-sol, morreu.

2 Crônicas 19

O profeta Jeú repreende a Josafá

1 Josafá, rei de Judá, voltou para sua casa em paz, para Jerusalém.

2 O vidente Jeú, filho de Hanani, saiu ao encontro do rei Josafá e lhe disse: Devias

wembathe izambatho zakho. Yayisiziguqula inkosi yakwa-Israyeli, bangena ekulweni.

30Kepha inkosi yase-Aramu ibiyalile izinduna zezinqola zayo ngokuthi: Ningalwi namuntu, omncane noma omkhulu, kuphela nenkosi yakwa-Israyeli yodwa.

31Kwathi lapho izinduna zezinqola sezibonile uJehoshafati, zathi: Yena uyinkosi yakwa-Israyeli; zase ziphenduka ukuba zilwe nayo, kepha uJehoshafati wamemeza, uJehova wamsiza; uNkulunkulu wazimukisa kuye.

32Kwathi sezibonile izinduna zezinqola ukuthi yena akasiyo inkosi yakwa-Israyeli, zabuya ekumlandeleni.

33Kepha umuntu othile wansala umnsalo wakhe ngokungazeleli nje, wayihlaba inkosi yakwa-Israyeli enhlanganisweni yebhantshi lensimbi; yathi kumshayeli: Phenduka, ungikhiphe empini, ngokuba ngikhutshaziwe.

34Ukulwa kwaqina ngalolo suku; inkosi yakwa-Israyeli yasekelwa enqoleni yayo malungana nama-Aramu kwaze kwaba kusihlwa, yafa ngesikhathi sokushona kwelanga.

2 iziKronike 19

Amazwi omprofethi uJehu

1UJehoshafati inkosi yakwaJuda wabuyela ngokuphila endlini yakhe eJerusalema.

2 UJehu, indodana kaHanani umboni, waphuma ukumhlangabeza, wathi

tu ajudar ao perverso e amar aqueles que aborrecem o SENHOR? Por isso, caiu sobre ti a ira da parte do SENHOR.

3 Boas coisas, contudo, se acharam em ti; porque tiraste os postes-ídolos da terra e dispuseste o coração para buscares a Deus.

Nomeação de juízes

4 Habitou, pois, Josafá em Jerusalém; tornou a passar pelo povo desde Berseba até à região montanhosa de Efraim e fez que ele tornasse ao SENHOR, Deus de seus pais.

5 Estabeleceu juízes no país, em todas as cidades fortificadas, de cidade em cidade.

6 Disse aos juízes: Vede o que fazeis, porque não julgais da parte do homem, e sim da parte do SENHOR, e, no julgardes, ele está convosco.

7 Agora, pois, seja o temor do SENHOR convosco; tomai cuidado e fazei-o, porque não há no SENHOR, nosso Deus, injustiça, nem parcialidade, nem aceita ele suborno.

8 Também, depois de terem voltado para Jerusalém, estabeleceu aí Josafá alguns dos levitas, e dos sacerdotes, e dos cabeças das famílias de Israel para julgarem da parte do SENHOR e decidirem as sentenças contestadas.

9 Deu-lhes ordem, dizendo: Assim, andai no temor do SENHOR, com fidelidade e inteireza de coração.

enkosini uJehoshafati: Usiza yini ababi, uthanda abamzondayo uJehova na? Ngalokho intukuthelo iphezu kwakho ivela kuJehova.

3 Nokho kufunyaniswa kuwe nezinto ezinhle, ngokuba ususile o-Ashera ezweni, wabhekisa inhliziyo yakho ukuba ifune uNkulunkulu.

UJehoshafati umisa abahluleli

4 UJehoshafati wahlala eJerusalema, kepha wabuye waphuma, wahamba phakathi kwabantu, kusukela eBeri Sheba kuze kube sezintabeni, wababuyisela kuJehova uNkulunkulu wawoyise.

5 Wamisa abahluleli ezweni emizini yonke ebiyelweyo yakwaJuda, imizi ngemizi, wathi kubahluleli:

6 Bhekani enikwenzayo, ngokuba anahlulelеli umuntu kepha uNkulunkulu, onani ekwahluleleni.

7 Ngalokho ingebhe ngoJehova mayibe phezu kwenu; qaphelani nikwenze, ngokuba ukungalungi akukho kuJehova uNkulunkulu wethu, nokukhetha ubuso, nokwamukela umvuzo.

8 Futhi uJehoshafati wamisa eJerusalema kumaLevi nakubapristi nasezinhlokweni zawoyise bakwa-Israyeli abokwahlulela kukaJehova nabombango. Sebebuyela eJerusalema,

9 wabayala wathi: Niyakwenze njalo ngokumesaba uJehova, ngeqiniso nangenhliziyo epheleleyo.

[10] Toda vez que vier a vós outros sentença contestada de vossos irmãos que habitam nas suas cidades: entre sangue e sangue, lei e mandamento, estatutos e juízos, admoestai-os, que não se façam culpados para com o SENHOR, para que não venha grande ira sobre vós e sobre vossos irmãos; fazei assim e não vos tornareis culpados.

[11] Eis que Amarias, o sumo sacerdote, presidirá nas coisas que dizem respeito ao SENHOR; e Zebadias, filho de Ismael, príncipe da casa de Judá, nas que dizem respeito ao rei. Também os levitas serão oficiais à vossa disposição. Sede fortes no cumprimento disso, e o SENHOR será com os bons.

[10]Yonke imibango efika kini ivela kubafowenu abahlala emizini yabo phakathi kwegazi negazi, noma phakathi komthetho nomyalo, noma phakathi kwezimiso nezahlulelo, niyakubaxwayisa ngayo ukuba bangabi nacala kuJehova, nehlelwe yintukuthelo nina nabafowenu; yenzani njalo, aniyikuba nacala.

[11] Bheka, u-Amariya umpristi omkhulu uphezu kwenu kuzo zonke izindaba zikaJehova, noZebadiya indodana ka-Ishmayeli, umbusi wendlu yakwaJuda, kuzo zonke izindaba zenkosi; namaLevi ayakuba yizinduna ngaphambi kwenu. Yibani namandla ekwenzeni kwenu, uJehova uyakuba nabalungileyo.

2 Crônicas 20

A vitória de Josafá sobre Moabe e Amom

[1] Depois disto, os filhos de Moabe e os filhos de Amom, com alguns dos meunitas, vieram à peleja contra Josafá.

[2] Então, vieram alguns que avisaram a Josafá, dizendo: Grande multidão vem contra ti dalém do mar e da Síria; eis que já estão em Hazazom-Tamar, que é En-Gedi.

[3] Então, Josafá teve medo e se pôs a buscar ao SENHOR; e apregoou jejum em todo o Judá.

[4] Judá se congregou para pedir socorro ao SENHOR; também de todas as cidades de Judá veio gente para buscar ao SENHOR.

2 iziKronike 20

Ukunqoba kukaJehoshafati izitha zakhe

[1]Kwathi emva kwalokho kwafika abantwana bakwaMowabi nabantwana bakwa-Amoni benabanye bamaMehuni kuJehoshafati, beyokulwa.

[2]Kwafika abanye, bamtshela uJehoshafati, bathi: Kusondela kuwe isixuku esikhulu sivela phesheya kolwandle e-Aramu; bheka, sebeseHasasoni Thamari eliyi-Eni Gedi.

[3]UJehoshafati wayeseshaywa luvalo, wabhekisa ubuso bakhe ukumfuna uJehova, wamemezela ukuzila ukudla kulo lonke lwakwaJuda.

[4]UJuda wabuthana ukucela ukusizwa nguJehova; baphuma emizini yonke yakwaJuda, bafika ukumfuna uJehova.

[5] Pôs-se Josafá em pé, na congregação de Judá e de Jerusalém, na Casa do SENHOR, diante do pátio novo,

[6] e disse: Ah! SENHOR, Deus de nossos pais, porventura, não és tu Deus nos céus? Não és tu que dominas sobre todos os reinos dos povos? Na tua mão, está a força e o poder, e não há quem te possa resistir.

[7] Porventura, ó nosso Deus, não lançaste fora os moradores desta terra de diante do teu povo de Israel e não a deste para sempre à posteridade de Abraão, teu amigo?

[8] Habitaram nela e nela edificaram um santuário ao teu nome, dizendo:

[9] Se algum mal nos sobrevier, espada por castigo, peste ou fome, nós nos apresentaremos diante desta casa e diante de ti, pois o teu nome está nesta casa; e clamaremos a ti na nossa angústia, e tu nos ouvirás e livrarás.

[10] Agora, pois, eis que os filhos de Amom e de Moabe e os do monte Seir, cujas terras não permitiste a Israel invadir, quando vinham da terra do Egito, mas deles se desviaram e não os destruíram,

[11] eis que nos dão o pago, vindo para lançar-nos fora da tua possessão, que nos deste em herança.

[12] Ah! Nosso Deus, acaso, não executarás tu o teu julgamento contra eles? Porque em nós não há força para resistirmos a essa grande multidão que vem contra nós,

[5]UJehoshafati wema ebandleni lakwaJuda nelaseJerusalema endlini kaJehova phambi kwegceke elisha,

[6] wathi: Jehova Nkulunkulu wawobaba, wena awusiye uNkulunkulu ezulwini, awusiye umbusi wemibuso yonke yabezizwe, na? Esandleni sakho kukhona amandla negunya, akakho ongamelana nawe.

[7]Awuxoshanga yini, Nkulunkulu wethu, abakhileyo kuleli zwe phambi kwabantu bakho u-Israyeli, wanika lona inzalo ka-Abrahama umngane wakho kuze kube phakade, na?

[8]Bahlala kulo, bakwakhela kulo indlu engcwele ibe ngeyegama lakho, bethi:

[9] Uma sehlelwa ngokubi, inkemba, nokwahlulelwa, nesifo, nendlala, siyakuma phambi kwale ndlu naphambi kwakho, ngokuba igama lakho likule ndlu, sikhale kuwe ekuhluphekeni kwethu, uyakuzwa, usisindise.

[10] Bheka, manje abantwana bakwa-Amoni nabakwaMowabi nabasentabeni yaseSeyiri, ongavumelanga u-Israyeli ukubangenela ekuphumeni kwakhe ezweni laseGibithe, kepha wabachezukela, akabachithanga,

[11]bheka, ukusivuza kwabo ukuba bafike ukusixosha efeni lakho osinike lona ukuba silidle.

[12] Nkulunkulu wethu, awuyikubahlulela na? Ngokuba asinamandla ebusweni balesi sixuku esikhulu esisifikelayo; futhi

e não sabemos nós o que fazer; porém os nossos olhos estão postos em ti.

13 Todo o Judá estava em pé diante do SENHOR, como também as suas crianças, as suas mulheres e os seus filhos.

14 Então, veio o Espírito do SENHOR no meio da congregação, sobre Jaaziel, filho de Zacarias, filho de Benaia, filho de Jeiel, filho de Matanias, levita, dos filhos de Asafe,

15 e disse: Dai ouvidos, todo o Judá e vós, moradores de Jerusalém, e tu, ó rei Josafá, ao que vos diz o SENHOR. Não temais, nem vos assusteis por causa desta grande multidão, pois a peleja não é vossa, mas de Deus.

16 Amanhã, descereis contra eles; eis que sobem pela ladeira de Ziz; encontrá-los-eis no fim do vale, defronte do deserto de Jeruel.

17 Neste encontro, não tereis de pelejar; tomai posição, ficai parados e vede o salvamento que o SENHOR vos dará, ó Judá e Jerusalém. Não temais, nem vos assusteis; amanhã, saí-lhes ao encontro, porque o SENHOR é convosco.

18 Então, Josafá se prostrou com o rosto em terra; e todo o Judá e os moradores de Jerusalém também se prostraram perante o SENHOR e o adoraram.

19 Dispuseram-se os levitas, dos filhos dos coatitas e dos coreítas, para louvarem o SENHOR, Deus de Israel, em voz alta, sobremaneira.

asazi ukuthi siyakwenze njani, kodwa amehlo ethu akuwe.

13Wonke uJuda wayemi phambi kukaJehova, nezingane zabo, nawomkabo, namadodana abo.

14Kwase kufika uMoya kaJehova phezu kukaJahaziyeli kaZakariya kaBenaya kaJehiyeli kaMathaniya umLevi, emadodaneni ka-Asafa phakathi kwebandla,

15wathi: Yizwani nina nonke bakwaJuda, nabakhileyo eJerusalema, nawe nkosi Jehoshafati: usho kanje kini uJehova, uthi: Ningesabi, ningapheli amandla ngenxa yalesi sixuku esikhulu, ngokuba impi ayisiyo eyenu, ngekaNkulunkulu.

16Yehlelani kubo kusasa; bhekani, bayakukhuphuka ngommango waseSisi; niyakubafumana ekugcineni kwesigodi ngaphambi kwehlane laseJeruweli.

17 Akusikho okwenu ukulwa kule mpi; zihleleni, nime, nibone ukunisindisa kukaJehova, nina Juda neJerusalema; ningesabi, ningapheli amandla; phumelani kubo kusasa, ngokuba uJehova unani.

18Wayesekhothama uJehoshafati, ubuso bakhe bubheke phansi; wonke uJuda nabakhileyo eJerusalema bawa phambi kukaJehova bekhuleka kuJehova.

19AmaLevi abantwana bamaKohati nawabantwana bamaKorahi asukuma ukumdumisa uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngezwi elikhulu kakhulu.

[20] Pela manhã cedo, se levantaram e saíram ao deserto de Tecoa; ao saírem eles, pôs-se Josafá em pé e disse: Ouvi-me, ó Judá e vós, moradores de Jerusalém! Crede no SENHOR, vosso Deus, e estareis seguros; crede nos seus profetas e prosperareis.

[20] Bavuka ekuseni, baphuma baya ehlane laseThekhowa; ekuphumeni kwabo uJehoshafati wema, wathi: Ngizweni, Juda nani bakhileyo eJerusalema! Kholwani nguJehova uNkulunkulu wenu, niyakuqiniswa; kholwani ngabaprofethi bakhe, niyakuphumelela.

[21] Aconselhou-se com o povo e ordenou cantores para o SENHOR, que, vestidos de ornamentos sagrados e marchando à frente do exército, louvassem a Deus, dizendo: Rendei graças ao SENHOR, porque a sua misericórdia dura para sempre.

[21] Eselulekene nabantu wamisa abayakuhlabelela kuJehova ukuba bamdumise behlotshisiwe ngobungcwele, besaphuma ngaphambi kwempi, bathi: Bongani uJehova, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

[22] Tendo eles começado a cantar e a dar louvores, pôs o SENHOR emboscadas contra os filhos de Amom e de Moabe e os do monte Seir que vieram contra Judá, e foram desbaratados.

[22]Lapho sebeqala ukuhalalisa nokudumisa, uJehova wabeka abaqamekeli babantwana bakwa-Amoni, nabakwaMowabi, nabaseSeyiri, ababefikele uJuda, banqotshwa.

[23] Porque os filhos de Amom e de Moabe se levantaram contra os moradores do monte Seir, para os destruir e exterminar; e, tendo eles dado cabo dos moradores de Seir, ajudaram uns aos outros a destruir-se.

[23] Abantwana bakwa-Amoni nabakwaMowabi bamelana nabakhileyo entabeni yaseSeyiri ukuba babachithe, babaqothule; sebebaqedile abakhileyo eSeyiri basiza, kwaba yilowo nalowo, ngokubulalana bodwa.

[24] Tendo Judá chegado ao alto que olha para o deserto, procurou ver a multidão, e eis que eram corpos mortos, que jaziam em terra, sem nenhum sobrevivente.

[24]UJuda esefike embonisweni wasehlane, babheka isixuku; bheka, babe yizidumbu nje eziwele phansi, akusindanga noyedwa.

[25] Vieram Josafá e o seu povo para saquear os despojos e acharam entre os cadáveres riquezas em abundância e objetos preciosos; tomaram para si mais do que podiam levar e três dias saquearam o despojo, porque era muito.

[25]Lapho uJehoshafati nabantu bakhe befika ukuqoqa impango kubo, bafumanisa phakathi kwabo ubuningi bengcebo nezidumbu nezinto ezinxanelekayo, bazihlubulela zona, kwaze kwangabakho ongazithwala;

kwaba yizinsuku ezintathu beqoqa impango, ngokuba yayiningi kangaka.

[26] Ao quarto dia, se ajuntaram no vale de Bênção, onde louvaram o SENHOR; por isso, chamaram àquele lugar vale de Bênção, até ao dia de hoje.

[26]Ngosuku lwesine babuthana esiGodini saseBerakha, ngokuba bambonga uJehova khona; ngalokho igama laleyo ndawo labizwa ngokuthi isiGodi saseBerakha kuze kube namuhla.

[27] Então, voltaram todos os homens de Judá e de Jerusalém, e Josafá, à frente deles, e tornaram para Jerusalém com alegria, porque o SENHOR os alegrara com a vitória sobre seus inimigos.

[27]Base bebuya bonke abantu bakwaJuda nabaseJerusalema, uJehoshafati ephambi kwabo, ukuba babuyele eJerusalema ngentokozo, ngokuba uJehova wayesebathokozisile phezu kwezitha zabo.

[28] Vieram para Jerusalém com alaúdes, harpas e trombetas, para a Casa do SENHOR.

[28]Bafika-ke eJerusalema benezingubhu namahabhu namacilongo endlini kaJehova.

[29] Veio da parte de Deus o terror sobre todos os reinos daquelas terras, quando ouviram que o SENHOR havia pelejado contra os inimigos de Israel.

[29]Ingebhe ngoNkulunkulu yaba phezu kwayo yonke imibuso yamazwe, lapho isizwile ukuthi uJehova wayelwile nezitha zakwa-Israyeli.

[30] Assim, o reino de Josafá teve paz, porque Deus lhe dera repouso por todos os lados.

[30]Umbuso kaJehoshafati wawusuzola, ngokuba uNkulunkulu wakhe wamnika ukuphumula nxazonke.

O reinado e a morte de Josafá
1 Reis 22.41-51

[31] Josafá reinou sobre Judá; tinha trinta e cinco anos quando começou a reinar e reinou vinte e cinco anos em Jerusalém. Sua mãe se chamava Azuba, filha de Sili.

[31] UJehoshafati wabusa-ke phezu kukaJuda; wayeneminyaka engamashumi amathathu nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka engamashumi amabili nanhlanu eJerusalema; igama likanina lalingu-Azuba indodakazi kaShilehi.

[32] Ele andou no caminho de Asa, seu pai, e não se desviou dele, fazendo o que era reto perante o SENHOR.

[32]Wahamba ngendlela ka-Asa uyise, kaphambukanga kuyo, ekwenza okulungile emehlweni kaJehova.

[33] Contudo, os altos não se tiraram, porque o povo não tinha ainda disposto o coração para com o Deus de seus pais.

[34] Quanto aos mais atos de Josafá, tanto os primeiros como os últimos, eis que estão escritos nas Crônicas registradas por Jeú, filho de Hanani, que as inseriu na História dos Reis de Israel.

[35] Depois disto, Josafá, rei de Judá, se aliou com Acazias, rei de Israel, que procedeu iniquamente.

[36] Aliou-se com ele, para fazerem navios que fossem a Társis; e fizeram os navios em Eziom-Geber.

[37] Porém Eliézer, filho de Dodavá, de Maressa, profetizou contra Josafá, dizendo: Porquanto te aliaste com Acazias, o SENHOR destruiu as tuas obras. E os navios se quebraram e não puderam ir a Társis.

[33]Kepha izindawo eziphakemeyo azisuswanga; futhi abantu babengabhekisanga izinhliziyo zabo kuNkulunkulu wawoyise.

[34] Ezinye izindaba zikaJehoshafati, ezokuqala nezokugcina, bheka, zilotshiwe ezindabeni zikaJehu indodana kaHanani ezifakwe encwadini yamakhosi akwa-Israyeli.

[35]Emva kwalokho uJehoshafati, inkosi yakwaJuda, wazihlanganisa no-Ahaziya inkosi yakwa-Israyeli; yena wayekwenza okubi impela;

[36]wazihlanangisa naye ukwenza imikhumbi yokuya eTharishishi; bayenza imikhumbi e-Esiyoni Geberi.

[37]U-Eliyezeri indodana kaDodavahu waseMaresha waprofetha ngoJehoshafati ngokuthi: Ngenxa yokuba uzihlanganisile no-Ahaziya, uJehova uyakudiliza imisebenzi yakho. Yaphuka-ke imikhumbi, yathiyeka ukuya eTharishishi.

2 Crônicas 21

O reinado de Jeorão

2 Reis 8.16-24

[1] Descansou Josafá com seus pais e foi sepultado com eles na Cidade de Davi; e Jeorão, seu filho, reinou em seu lugar.

[2] Teve este irmãos, filhos de Josafá: Azarias, Jeiel, Zacarias, Azarias, Micael e Sefatias; todos estes foram filhos de Josafá, rei de Israel.

2 iziKronike 21

UJehoramu uyinkosi kwaJuda

[1] UJehoshafati wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide; uJehoramu, indodana yakhe, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[2]Wayenabafowabo, amadodana kaJehoshafati: ngo-Azariya, noJehiyeli, noZakariya, no-Azariyahu, noMikayeli, noShefathiya; bonke labo babengamadodana kaJehoshafati inkosi yakwa-Israyeli.

[3] Seu pai lhes fez muitas dádivas de prata, ouro e coisas preciosas e ainda de cidades fortificadas em Judá; porém o reino deu a Jeorão, por ser o primogênito.

[4] Tendo Jeorão assumido o reino de seu pai e havendo-se fortificado, matou todos os seus irmãos à espada, como também alguns dos príncipes de Israel.

[5] Era Jeorão da idade de trinta e dois anos quando começou a reinar e reinou oito anos em Jerusalém.

[6] Andou nos caminhos dos reis de Israel, como também fizeram os da casa de Acabe, porque a filha deste era sua mulher; e fez o que era mau perante o SENHOR.

[7] Porém o SENHOR não quis destruir a casa de Davi por causa da aliança que com ele fizera, segundo a promessa que lhe havia feito de dar a ele, sempre, uma lâmpada e a seus filhos.

[8] Nos dias de Jeorão, se revoltaram os edomitas contra o poder de Judá e constituíram o seu próprio rei.

[9] Pelo que Jeorão passou adiante com todos os seus chefes, e todos os carros, com ele; de noite, se levantou e feriu os edomitas que o cercavam e os capitães dos carros.

[10] Assim, se rebelou Edom para livrar-se do poder de Judá, até ao dia de hoje; ao mesmo tempo, se rebelou também Libna

[3]Uyise wabanika izipho ezinkulu zesiliva nezegolide, namagugu kanye nemizi ebiyelweyo kwaJuda, kepha umbuso wawunika uJehoramu, ngokuba wayeyizibulo.

[4]UJehoramu esemile embusweni kayise, eseziqinisile, wabulala bonke abafowabo ngenkemba kanye nabathile bezikhulu zakwa-Israyeli.

[5]UJehoramu wayeneminyaka engamashumi amathathu nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyisishiyagalombili eJerusalema.

[6]Wahamba ngendlela yamakhosi akwa-Israyeli njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, ngokuba indodakazi ka-Ahabi yayingumkakhe; wenza okubi emehlweni kaJehova.

[7] Kepha uJehova akathandanga ukuchitha indlu kaDavide ngenxa yesivumelwano asenzayo noDavide, njengokusho kwakhe ukuthi uyakumnika yena nabantwana bakhe isibani izinsuku zonke.

[8] Emihleni yakhe u-Edomi wahlubuka phansi kwesandla sakwaJuda, wazibekela inkosi.

[9]Wayesewela uJehoramu nezinduna zakhe, nazo zonke izinqola zakhe zinaye; wavuka ebusuku, wabachitha abakwa-Edomi abamhaqileyo kanye nezinduna zezinqola.

[10]Wahlubuka-ke u-Edomi phansi kwesandla sakwaJuda kuze kube namuhla; khona lahlubuka neLibina

contra Jeorão, porque este deixara ao SENHOR, Deus de seus pais.

ngasona leso sikhathi phansi kwesandla sakhe, ngokuba wayemshiyile uJehova uNkulunkulu wawoyise.

[11] Também fez altos nos montes de Judá, e seduziu os habitantes de Jerusalém à idolatria, e fez desgarrar a Judá.

[11]Futhi wenza izindawo eziphakemeyo ezindaweni zakwaJuda, wenza ukuba abakhileyo eJerusalema baphinge, wayenga uJuda.

[12] Então, lhe chegou às mãos uma carta do profeta Elias, em que estava escrito: Assim diz o SENHOR, Deus de Davi, teu pai: Porquanto não andaste nos caminhos de Josafá, teu pai, e nos caminhos de Asa, rei de Judá,

[12]Kwafika kuye incwadi iphuma ku-Eliya umprofethi, ithi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu kaDavide uyihlo, uthi: Ngokuba ungahambanga ngezindlela zikaJehoshafati uyihlo nangezindlela zika-Asa inkosi yakwaJuda,

[13] mas andaste nos caminhos dos reis de Israel, e induziste à idolatria a Judá e os moradores de Jerusalém, segundo a idolatria da casa de Acabe, e também mataste a teus irmãos, da casa de teu pai, melhores do que tu,

[13]kepha uhambe ngendlela yamakhosi akwa-Israyeli, wenza uJuda nabakhileyo eJerusalema ukuba baphinge njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, futhi wabulala abafowenu bendlu kayihlo abahle kunawe,

[14] eis que o SENHOR castigará com grande flagelo ao teu povo, aos teus filhos, às tuas mulheres e todas as tuas possessões.

[14]bheka, uJehova uyakushaya ngokushaya okukhulu abantu bakho nabantwana bakho, nawomkakho, nayo yonke impahla yakho,

[15] Tu terás grande enfermidade nas tuas entranhas, enfermidade que aumentará dia após dia, até que saiam as tuas entranhas.

[15]wena wehlelwe yisifo esikhulu, isifo sezibilini, ukuze izibilini zakho ziphume ngesifo ekuhambeni kwezinsuku.

[16] Despertou, pois, o SENHOR contra Jeorão o ânimo dos filisteus e dos arábios que estão do lado dos etíopes.

[16]UJehova wavusa umoya wamaFilisti nowabase-Arabiya abaseceleni kwamaKushe ngoJehoramu;

[17] Estes subiram a Judá, deram contra ele e levaram todos os bens que se acharam na casa do rei, como também a seus filhos e as suas mulheres; de modo que não lhe

[17]bakhuphukela ukulwa noJuda, bafohlela kuye, basusa yonke impahla eyayifumaniseka endlini yenkosi kanye namadodana akhe nawomkakhe;

deixaram filho algum, senão Jeoacaz, o mais moço deles.

[18] Depois de tudo isto, o SENHOR o feriu nas suas entranhas com enfermidade incurável.

[19] E, aumentando esta dia após dia, ao cabo de dois anos, saíram-lhe as entranhas por causa da enfermidade, e morreu com terríveis agonias. O seu povo não lhe queimou aromas, como se fez a seus pais.

[20] Era ele da idade de trinta e dois anos quando começou a reinar e reinou oito anos em Jerusalém. E se foi sem deixar de si saudades; sepultaram-no na Cidade de Davi, porém não nos sepulcros dos reis.

akusalanga ndodana kuyo, uJehowahazi omncane emadodaneni ayo kuphela.

[18]Emva kwakho konke lokho uJehova wamshaya ezibilinini zakhe ngesifo esingenakwelashwa.

[19] Kwathi ekuhambeni kwezinsuku ngesikhathi sokufika ekugcineni kweminyaka emibili, izibilini zakhe zaphuma kuye ngesifo sakhe, wafa ngobuhlungu obukhulu. Abantu bakhe abamshiselanga lutho njengokushiselwa kwawoyise.

[20] Wayeneminyaka engamashumi amathathu nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyisihiyagalombili eJerusalema, wamuka engakhalelwanga muntu; bammbela emzini kaDavide, kepha kungesemathuneni amakhosi.

2 Crônicas 22

O reinado de Acazias
2 Reis 8.25-29

[1] Os moradores de Jerusalém, em lugar de Jeorão, fizeram rei a Acazias, seu filho mais moço; porque a tropa, que viera com os arábios ao arraial, tinha matado todos os mais velhos. Assim, reinou Acazias, filho de Jeorão, rei de Judá.

[2] Era Acazias de vinte e dois anos de idade quando começou a reinar e reinou um ano em Jerusalém.

2 iziKronike 22

U-Ahaziya uyinkosi kwaJuda

[1] Abakhileyo eJerusalema babeka u-Ahaziya indodana yakhe encane inkosi esikhundleni sakhe, ngokuba iviyo lababefike ekamu nabase-Arabiya lalibulele bonke abokuqala. Wayesebusa-ke u-Ahaziya indodana kaJehoramu inkosi yakwaJuda.

[2]U-Ahaziya wayeneminyaka engamashumi amane nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa umnyaka eJerusalema; igama likanina lalingu-Athaliya indodakazi ka-Omri.

[3] Sua mãe, filha de Onri, chamava-se Atalia. Ele também andou nos caminhos da casa de Acabe; porque sua mãe era quem o aconselhava a proceder iniquamente.

[3]Naye wahamba ngezindlela zendlu ka-Ahabi, ngokuba unina wayengomeluleka ukwenza okubi.

[4] Fez o que era mau perante o SENHOR, como os da casa de Acabe; porque eles eram seus conselheiros depois da morte de seu pai, para a sua perdição.

[4]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, ngokuba bona babengabamelulekayo emva kokufa kukayise, kwaba ngukuchithwa kwakhe.

[5] Também andou nos conselhos deles e foi com Jorão, filho de Acabe, rei de Israel, a Ramote-Gileade, à peleja contra Hazael, rei da Síria; e os siros feriram Jorão.

[5]Futhi wahamba ngeziluleko zabo, lapho ehamba noJehoramu, indodana ka-Ahabi, inkosi yakwa-Israyeli, ukulwa noHazayeli inkosi yase-Aramu eRamoti Gileyadi; ama-Aramu amlimaza uJoramu.

[6] Então, voltou para Jezreel, para curar-se das feridas que lhe fizeram em Ramá, quando pelejou contra Hazael, rei da Síria; e desceu Acazias, filho de Jeorão, rei de Judá, para ver a Jorão, filho de Acabe, em Jezreel, porquanto estava doente.

[6] Wabuyela ukwelashwa eJizreyeli ngenxa yamanxeba ayemlimaze wona eRama ekulweni kwakhe noHazayeli inkosi yase-Aramu. U-Azariya indodana kaJehoramu, inkosi yakwaJuda, wehla ukumbona uJehoramu indodana ka-Ahabi eJizreyeli, ngokuba wayegula.

Jeú mata a Acazias

[7] Foi da vontade de Deus que Acazias, para a sua ruína, fosse visitar a Jorão; porque, vindo ele, saiu com Jorão para encontrar-se com Jeú, filho de Ninsi, a quem o SENHOR tinha ungido para desarraigar a casa de Acabe.

[7] Ukubhubha kuka-Ahaziya kwavela kuNkulunkulu ekuyeni kwakhe kuJoramu, ngokuba lapho esefikile khona waphuma noJehoramu ukulwa noJehu indodana kaNimishi, amgcobileyo uJehova ukuba anqume indlu ka-Ahabi.

[8] Ao executar Jeú juízo contra a casa de Acabe, achou os príncipes de Judá e os filhos dos irmãos de Acazias, que o serviam, e os matou.

[8] Kwathi lapho uJehu ahlulela indlu ka-Ahabi, wafumanisa izikhulu zakwaJuda namadodana abafowabo baka-Ahaziya ababekhonza u-Ahaziya; wababulala.

[9] Depois, mandou procurar a Acazias, e, achando-o em Samaria, onde se havia escondido, o trouxeram a Jeú e o

[9] Wamfuna u-Ahaziya, bambamba; wayecashile eSamariya bamletha kuJehu, bambulala; bammbela, ngokuba bathi:

mataram; seus próprios servos o sepultaram, porque diziam: É filho de Josafá, que buscou ao SENHOR de todo o coração. E ninguém houve na casa de Acazias que pudesse reinar.

Atalia usurpa o trono
2 Reis 11.1-3

[10] Vendo Atalia, mãe de Acazias, que seu filho era morto, levantou-se e destruiu toda a descendência real da casa de Judá.

[11] Mas Jeosabeate, filha do rei, tomou a Joás, filho de Acazias, e o furtou dentre os filhos do rei, aos quais matavam, e o pôs e à sua ama numa câmara interior; assim, Jeosabeate, a filha do rei Jeorão, mulher do sacerdote Joiada e irmã de Acazias, o escondeu de Atalia, e não foi morto.

[12] Joás esteve com eles seis anos na Casa de Deus, e Atalia reinou no país.

2 Crônicas 23

Joás ungido rei de Judá
2 Reis 11.4-12

[1] No sétimo ano, Joiada se animou e entrou em aliança com os capitães de cem: Azarias, filho de Jeroão, Ismael, filho de Joanã, Azarias, filho de Obede, Maaséias, filho de Adaías, e Elisafate, filho de Zicri.

Uyindodana kaJehoshafati owamfuna uJehova ngenhliziyo yakhe yonke. Indlu ka-Ahaziya yayingasenamandla okuwugcina umbuso.

U-Athaliya ungumbusi

[10] Kepha u-Athaliya, unina ka-Ahaziya, esebonile ukuthi indodana yakhe ifile wasuka wachitha yonke imbewu yobukhosi yendlu kaJuda.

[11]Kodwa uJehoshabeyati, indodakazi yenkosi, wamthatha uJowashi indodana ka-Ahaziya, wameba phakathi kwamadodana enkosi abulawayo, wambeka nomzanyana wakhe ekamelweni lokulala. UJehoshabeyati, indodakazi yenkosi uJehoramu, umkaJehoyada umpristi -- ngokuba wayengudadewabo ka-Ahaziya -- wamfihla ebusweni buka-Athaliya, ukuze angambulali.

[12]Wayenabo ethukusiwe endlini kaNkulunkulu iminyaka eyisithupha; u-Athaliya wabusa ezweni.

2 iziKronike 23

UJowashi uyinkosi. U-Athaliya uyabulawa

[1] Ngomnyaka wesikhombisa uJehoyada waziqinisa, wazithathela izinduna zamakhulu, u-Azariya indodana kaJerohamu, no-Ishmayeli indodana kaJehohanani, no-Azariya indodana ka-Obede, noMahaseya indodana ka-Adaya, no-Elishafati indodana kaZikiri, zenza isivumelwano naye.

[2] Estes percorreram Judá, e congregaram os levitas de todas as cidades de Judá e os cabeças das famílias de Israel, e vieram para Jerusalém.

[2]Zazungeza kwaJuda, zabutha amaLevi emizini yonke yakwaJuda, nezinhloko zawoyise bakwa-Israyeli, bafika eJerusalema.

[3] Toda essa congregação fez aliança com o rei na Casa de Deus; e Joiada lhes disse: Eis que reinará o filho do rei, como falou o SENHOR a respeito dos filhos de Davi.

[3] Lonke ibandla lenza isivumelwano nenkosi endlini kaNkulunkulu; uJehoyada wathi: Bhekani, indodana yenkosi iyakubusa njengokukhuluma kukaJehova ngamadodana kaDavide.

[4] Esta é a obra que haveis de fazer: uma terça parte de vós, sacerdotes e levitas, que entrais no sábado, servirá de guardas da porta;

[4]Nansi into eniyakuyenza: abesithathu kini abangena ngesabatha, ababapristi nabamaLevi, bayakuba ngabalindisango,

[5] outra terça parte estará na casa do rei; e a outra terça parte, à Porta do Fundamento; e todo o povo estará nos pátios da Casa do SENHOR.

[5]abesithathu babe sendlini yenkosi, abesithathu babe seSangweni Lesisekelo, bonke abantu babe semagcekeni endlu kaJehova.

[6] Porém ninguém entre na Casa do SENHOR, senão os sacerdotes e os levitas que ministram; estes entrarão, porque são santos; mas todo o povo guardará o preceito do SENHOR.

[6]Makungangeni muntu endlini kaJehova ngaphandle kwabapristi namaLevi akhonzayo; bona bangangena, ngokuba bangcwele; kepha bonke abantu bayakugcina izimfanelo zikaJehova.

[7] Os levitas rodearão o rei, cada um de armas na mão, e qualquer que entrar na casa, seja morto; estareis com o rei quando entrar e quando sair.

[7]AmaLevi ayakuyizungeza inkosi nxazonke, yilowo nalowo abe nezikhali zakhe esandleni sakhe; ongena endlini makabulawe; yibani nenkosi ekungeneni kwayo nasekuphumeni kwayo.

[8] Fizeram, pois, os levitas e todo o Judá segundo tudo quanto lhes ordenara o sacerdote Joiada; tomou cada um os seus homens, tanto os que entravam como os que saíam no sábado; porquanto o sacerdote Joiada não despediu os turnos.

[8]AmaLevi naye wonke uJuda benza njengakho konke uJehoyada umpristi ayale ngakho, bathatha, kwaba yilowo nalowo abantu bakhe ababeyakungena ngesabatha kanye nababeyakuphuma ngesabatha, ngokuba uJehoyada umpristi akamukisanga izigaba.

[9] O sacerdote Joiada entregou aos capitães de cem as lanças, os paveses e os escudos que haviam sido do rei Davi e estavam na Casa de Deus.

[9]UJehoyada umpristi wanikela ezinduneni zamakhulu imikhonto namahawu nezihlangu okwakungokwenkosi uDavide, kusendlini kaNkulunkulu.

[10] Dispôs todo o povo, cada um de armas na mão, desde o lado direito da casa real até ao seu lado esquerdo, e até ao altar, e até ao templo, para rodear o rei.

[10]Wamisa abantu bonke, kwaba yilowo nalowo enesikhali sakhe esandleni sakhe, kusukela ohlangothini lokunene lwendlu kuze kube sohlangothini lwesokhohlo lwendlu, ngase-altare nasendlini nxazonke zenkosi.

[11] Então, trouxeram para fora o filho do rei, puseram-lhe a coroa, entregaram-lhe o Livro do Testemunho e o constituíram rei; Joiada e seus filhos o ungiram e gritaram: Viva o rei!

[11] Base beyikhipha indodana yenkosi, wayifaka umqhele, wayinika ubufakazi, bayibeka inkosi; uJehoyada namadodana akhe bayigcoba bathi: Mana njalo, nkosi.

A morte de Atalia

2 Reis 11.13-16

[12] Ouvindo Atalia o clamor do povo que corria e louvava o rei, veio para onde este se achava na Casa do SENHOR;

[12]U-Athaliya esezwa ukumemeza kwabantu begijima beyidumisa inkosi, waya kubantu endlini kaJehova,

[13] olhou, e eis que o rei estava junto à coluna, à entrada, e os capitães e os que tocavam trombetas, junto ao rei; e todo o povo da terra se alegrava, e se tocavam trombetas. Também os cantores com os instrumentos músicos dirigiam o canto de louvores. Então, Atalia rasgou os seus vestidos e clamou: Traição! Traição!

[13] wabuka; bheka, inkosi yayimi ngasensikeni yayo ekungeneni, izikhulu nabamacilongo bengasenkosini; bonke abantu bezwe bathokoza, bakhalisa amacilongo; abahlabeleli babetha izinto zokubethwa, bahola ukuhlabelela kwendumiso. U-Athaliya wayeseklebhula izingubo zakhe, wathi: Ngugobe! Ngugobe!

[14] Porém o sacerdote Joiada trouxe para fora os capitães que comandavam as tropas e disse-lhes: Fazei-a sair por entre as fileiras; se alguém a seguir, matai-o à espada. Porque o sacerdote tinha dito: Não a matem na Casa do SENHOR.

[14]UJehoyada wayesezikhipha izinduna zamakhulu ezazibekwe phezu kwempi, wathi kuzo: Mkhipheni endlini, nimngenise phakathi kwezinhla; omlandelayo nimbulale ngenkemba; ngokuba umpristi wathi: Ningambulali endlini kaJehova.

[15] Lançaram mão dela; e ela, pelo caminho da entrada dos cavalos, foi à casa do rei, onde a mataram.

[15]Base bemdedela nxazombili, waya ekungeneni kwesango lamahhashi endlini yenkosi; bambulala khona.

A aliança de Joiada
2 Reis 11.17-21

[16] Joiada fez aliança entre si mesmo, o povo e o rei, para serem eles o povo do SENHOR.

[16]UJehoyada wenza isivumelwano phakathi kwakhe nabantu bonke nenkosi ukuba babe ngabantu bakaJehova.

[17] Então, todo o povo se dirigiu para a casa de Baal e a derribaram; despedaçaram os seus altares e as suas imagens e a Matã, sacerdote de Baal, mataram perante os altares.

[17]Bonke abantu baya endlini kaBali, bayibhidliza, baphahlaza ama-altare akhe nezithombe zakhe, babulala uMathani umpristi kaBali phambi kwama-altare.

[18] Entregou Joiada a superintendência da Casa do SENHOR nas mãos dos sacerdotes levitas, a quem Davi designara para o encargo da Casa do SENHOR, para oferecerem os holocaustos do SENHOR, como está escrito na Lei de Moisés, com alegria e com canto, segundo a instituição de Davi.

[18] UJehoyada wamisa ababonisi bendlu kaJehova ngesandla sabapristi bamaLevi uDavide abahlukanisile endlini kaJehova bokunikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova njengokulotshiweyo emthethweni kaMose, ngentokozo nangokuhlabelela, njengokuhlela kukaDavide.

[19] Colocou porteiros às portas da Casa do SENHOR, para que nela não entrasse ninguém que de qualquer forma fosse imundo.

[19]Wamisa abalindisango emasangweni endlu kaJehova ukuba kungangeni ongcolile noma ngantoni.

[20] Tomou os capitães de cem, os nobres, os governadores do povo e todo o povo da terra, e todos estes conduziram, da Casa do SENHOR, o rei; passaram, pela porta superior, para a casa do rei e assentaram o rei no trono do reino.

[20]Wazithatha izinduna zamakhulu, nabakhulu, nababusi babantu, nabo bonke abantu bezwe, wayehlisa inkosi endlini kaJehova, bafika ngesango lasenhla endlini yenkosi, bayibeka inkosi esihlalweni sobukhosi sombuso.

[21] Alegrou-se todo o povo da terra, e a cidade ficou tranqüila, pois haviam matado Atalia à espada.

[21]Bonke abantu bezwe bathokoza; umuzi wazola; bambulala u-Athaliya ngenkemba.

2 Crônicas 24

2 iziKronike 24

O reinado de Joás

2 Reis 12.1-19

[1] Tinha Joás sete anos de idade quando começou a reinar e quarenta anos reinou em Jerusalém.

[2] Era o nome de sua mãe Zíbia, de Berseba. Fez Joás o que era reto perante o SENHOR todos os dias do sacerdote Joiada.

[3] Tomou-lhe Joiada duas mulheres; e gerou filhos e filhas.

[4] Depois disto, resolveu Joás restaurar a Casa do SENHOR.

[5] Reuniu os sacerdotes e os levitas e lhes disse: Saí pelas cidades de Judá e levantai dinheiro de todo o Israel para reparardes a casa do vosso Deus, de ano em ano; e, vós, apressai-vos nisto. Porém os levitas não se apressaram.

[6] Mandou o rei chamar a Joiada, o chefe, e lhe perguntou: Por que não requereste dos levitas que trouxessem de Judá e de Jerusalém o imposto que Moisés, servo do SENHOR, pôs sobre a congregação de Israel, para a tenda do Testemunho?

[7] Porque a perversa Atalia e seus filhos arruinaram a Casa de Deus; e usaram todas as coisas sagradas da Casa do SENHOR no serviço dos baalins.

[8] Deu o rei ordem e fizeram um cofre e o puseram do lado de fora, à porta da Casa do SENHOR.

UJowashi uyinkosi kwaJuda. Ukulungiswa kwethempeli

[1] UJowashi wayeneminyaka eyisikhombisa ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka engamashumi amane eJerusalema; igama likanina lalinguSibiya waseBeri Sheba.

[2]UJowashi wenza okulungile emehlweni kaJehova zonke izinsuku zikaJehoyada umpristi.

[3]UJehoyada wamthathela abafazi ababili; wazala amadodana namadodakazi.

[4]Kwathi emva kwalokho kwakusenhliziyweni kaJowashi ukuvusa indlu kaJehova.

[5]Wabutha abapristi namaLevi, wathi kubo: Phumani niye emizini yakwaJuda, niqoqe ku-Israyeli wonke imali yokulungisa indlu kaNkulunkulu wenu iminyaka ngeminyaka, niyisheshise le ndaba. Kepha amaLevi awasheshanga.

[6] Inkosi yayisibiza uJehoyada inhloko, yathi kuye: Awubizanga ngani kumaLevi ukuba alethe kwaJuda naseJerusalema intela kaMose inceku kaJehova neyebandla lika-Israyeli, ibe ngeyetende lobufakazi na?

[7]Ngokuba amadodana ka-Athaliya, owesifazane lowo omubi, ayeyichithile indlu kaNkulunkulu, nezinto zonke ezingcwele zendlu kaJehova azenza ukuba zibe ngezikaBali.

[8] Yayisikhuluma inkosi, benza umphongolo, bawubeka ngaphandle ngasesangweni lendlu kaJehova.

[9] Publicou-se, em Judá e em Jerusalém, que trouxessem ao SENHOR o imposto que Moisés, servo de Deus, havia posto sobre Israel, no deserto.
[10] Então, todos os príncipes e todo o povo se alegraram, e trouxeram o imposto, e o lançaram no cofre, até acabar a obra.

[11] Quando o cofre era levado por intermédio dos levitas a uma comissão real, vendo-se que havia muito dinheiro, vinha o escrivão do rei e o comissário do sumo sacerdote, esvaziavam-no, tomavam-no e o levavam de novo ao seu lugar; assim faziam dia após dia e ajuntaram dinheiro em abundância,

[12] o qual o rei e Joiada davam aos que dirigiam a obra e tinham a seu cargo a Casa do SENHOR; contrataram pedreiros e carpinteiros, para restaurarem a Casa do SENHOR, como também os que trabalhavam em ferro e em bronze, para repararem a Casa do SENHOR.
[13] Os que tinham o encargo da obra trabalhavam, e a reparação tinha bom êxito com eles; restauraram a Casa de Deus no seu próprio estado e a consolidaram.
[14] Tendo eles acabado a obra, trouxeram ao rei e a Joiada o resto do dinheiro, de que se fizeram utensílios para a Casa do SENHOR, objetos para o ministério e para os holocaustos, taças e outros objetos de ouro e de prata. E continuamente

[9] Kwase kumenyezelwa kwaJuda naseJerusalema ukuba balethe kuJehova intela uMose inceku kaNkulunkulu ayibeke phezu kuka-Israyeli ehlane.
[10]Zonke izikhulu nabo bonke abantu bathokoza, bayiletha, bayiphonsa emphongolweni, baze baqeda.
[11]Kwathi ngesikhathi umphongolo owayiswa ngaso ezinduneni zenkosi ngesandla samaLevi, nalapho zibona ukuthi imali iningi, umbhali wenkosi nenduna yompristi omkhulu beza, bawuthulula umphongolo, bawuthatha, bawubuyisela endaweni yawo. Benze njalo imihla ngemihla, baqoqa imali eningi.

[12]Inkosi noJehoyada bayinika abenza umsebenzi wenkonzo endlini kaNkulunkulu, baqasha abakhi nababazi ukuvusa indlu kaJehova, nabasebenza ngensimbi nethusi ukuba baqinise indlu kaJehova.

[13]Zase zisebenza-ke izisebenzi, zalungisa zaqeda ngezandla zazo, zayimisa indlu kaNkulunkulu ngezilinganiso zayo, zayiqinisa.
[14]Sebeqedile baletha imali eseleyo phambi kwenkosi noJehoyada, benza ngayo izitsha zendlu kaJehova, izitsha zokukhonzela nezokunikelela, nezinkezo, nezinye izitsha zegolide nezesiliva. Banikela ngeminikelo yokushiswa endlini

ofereceram holocaustos na Casa do SENHOR, todos os dias de Joiada.

15 Envelheceu Joiada e morreu farto de dias; era da idade de cento e trinta anos quando morreu.

16 Sepultaram-no na Cidade de Davi com os reis; porque tinha feito bem em Israel e para com Deus e a sua casa.

Zacarias morto pelo rei

17 Depois da morte de Joiada, vieram os príncipes de Judá e se prostraram perante o rei, e o rei os ouviu.

18 Deixaram a Casa do SENHOR, Deus de seus pais, e serviram aos postes-ídolos e aos ídolos; e, por esta sua culpa, veio grande ira sobre Judá e Jerusalém.

19 Porém o SENHOR lhes enviou profetas para os reconduzir a si; estes profetas testemunharam contra eles, mas eles não deram ouvidos.

20 O Espírito de Deus se apoderou de Zacarias, filho do sacerdote Joiada, o qual se pôs em pé diante do povo e lhes disse: Assim diz Deus: Por que transgredis os mandamentos do SENHOR, de modo que não prosperais? Porque deixastes o SENHOR, também ele vos deixará.

21 Conspiraram contra ele e o apedrejaram, por mandado do rei, no pátio da Casa do SENHOR.

22 Assim, o rei Joás não se lembrou da beneficência que Joiada, pai de Zacarias, lhe fizera, porém matou-lhe o filho; este,

kaJehova njalo zonke izinsuku zikaJehoyada.

15Kodwa uJehoyada waguga, wafa esanelisiwe yizinsuku; wayeneminyaka eyikhulu namashumi amathathu ekufeni kwakhe.

16Bammbela emzini kaDavide phakathi kwamakhosi, ngokuba wayenze okuhle kwa-Israyeli, nakuNkulunkulu, nasendlini yakhe.

17Emva kokufa kukaJehoyada kwafika izikhulu zakwaJuda, zakhuleka enkosini; khona inkosi yazilalela.

18Bayishiya indlu kaJehova uNkulunkulu wawoyise, bakhonza o-Ashera nezithombe; uJuda neJerusalema kwehlelwa yintukuthelo ngaleli cala labo.

19Kepha wathuma abaprofethi kubo ukuba bababuyisele kuJehova; babaxwayisa, kepha kababekanga ndlebe.

20 UMoya kaNkulunkulu wembesa uZakariya indodana kaJehoyada umpristi; wema ngaphezu kwabantu, wathi kubo: Usho kanje uNkulunkulu, uthi: Neqelani imiyalo kaJehova ukuba ningabi nampumelelo na? Ngokuba nimshiyile uJehova, naye unishiyile nina.

21 Bamenzela ugobe, bamkhanda ngamatshe ngesiyalezo senkosi egcekeni lendlu kaJehova.

22UJowashi, inkosi, akakhumbulanga umusa uJehoyada amenzele wona, wabulala indodana yakhe. Ekufeni

ao expirar, disse: O SENHOR o verá e o retribuirá.

O juízo de Deus sobre Joás

[23] Antes de se findar o ano, subiu contra Joás o exército dos siros; e, vindo a Judá e a Jerusalém, destruíram, dentre o povo, a todos os seus príncipes, cujo despojo remeteram ao rei de Damasco.

[24] Ainda que o exército dos siros viera com poucos homens, contudo, o SENHOR lhes permitiu vencer um exército mui numeroso dos judeus, porque estes deixaram o SENHOR, Deus de seus pais. Assim, executaram os siros os juízos de Deus contra Joás.

A conspiração contra o rei Joás

2 Reis 12.20-21

[25] Quando os siros se retiraram dele, deixando-o gravemente enfermo, conspiraram contra ele os seus servos, por causa do sangue dos filhos do sacerdote Joiada, e o feriram no seu leito, e morreu.

[26] Sepultaram-no na Cidade de Davi, porém não nos sepulcros dos reis. Foram estes os que conspiraram contra ele: Zabade, filho de Simeate, a amonita, e Jeozabade, filho de Sinrite, a moabita.

[27] Quanto a seus filhos, e às numerosas sentenças proferidas contra ele, e à restauração da Casa de Deus, eis que estão escritos no Livro da História dos Reis. Em seu lugar, reinou Amazias, seu filho.

kwakhe wathi: UJehova makakubone lokhu, akuphindisele.

[23] Kwathi ngasekupheleni komnyaka impi yase-Aramu yakhuphukela kuye, yafika kwaJuda naseJerusalema, yabhubhisa zonke izikhulu zabantu phakathi kwabantu, yathuma yonke impango yazo enkosini yaseDamaseku.

[24]Ngokuba impi yase-Aramu yafika neviyo elincane labantu, nokho uJehova wanikela impi enkulu kakhulu esandleni sabo, ngokuba babemshiyile uJehova uNkulunkulu wawoyise. Base bemahlulela uJowashi.

[25] Lapho sebemukile kuye ngokuba bamshiya egula kakhulu izinceku zakhe zamenzela ugobe ngenxa yegazi lamadodana kaJehoyada umpristi, zambulala embhedeni wakhe, wafa; bammbela emzini kaDavide, kodwa abammbelanga emathuneni amakhosi.

[26]Nampa ababemenzela ugobe: nguZabadi indodana kaShimeyati umAmonikazi noJehozabadi indodana kaShimriti umMowabikazi.

[27]Ngamadodana akhe, nangobukhulu bemithwalo phezu kwakhe, nangokuvuswa kwendlu kaNkulunkulu, bheka, kulotshiwe esichasiselweni sencwadi yamakhosi. U-Amasiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

2 Crônicas 25

O reinado de Amazias

2 Reis 14.1-6

[1] Era Amazias da idade de vinte e cinco anos quando começou a reinar e reinou vinte e nove anos em Jerusalém; sua mãe se chamava Jeoadã, de Jerusalém.

[2] Fez ele o que era reto perante o SENHOR; não, porém, com inteireza de coração.
[3] Uma vez confirmado o reino nas suas mãos, matou os seus servos que tinham assassinado o rei, seu pai.

[4] Porém os filhos deles não matou, mas fez segundo está escrito na Lei, no Livro de Moisés, no qual o SENHOR deu ordem, dizendo: Os pais não serão mortos por causa dos filhos, nem os filhos, por causa dos pais; cada qual será morto pelo seu próprio pecado.

Amazias vence os edomitas
2 Reis 14.7

[5] Amazias congregou a Judá e o pôs, segundo as suas famílias, sob chefes de mil e chefes de cem, por todo o Judá e Benjamim; contou-os de vinte anos para cima e achou trezentos mil escolhidos capazes de sair à guerra e manejar lança e escudo.

2 iziKronike 25

U-Amasiya uyinkosi kwaJuda. Unqoba abakwa-Edomi. Unqotshwa nguJowashi inkosi yakwa-Israyeli

[1] U-Amasiya wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye eJerusalema; igama likanina lalinguJehohadani waseJerusalema.
[2]Wenza okulungile emehlweni kaJehova, kungenganhliziyo epheleleyo kodwa.
[3] Kwathi lapho umbuso usuqinisiwe kuye, wazibulala izinceku zakhe ezaziyibulele inkosi uyise.
[4] Kodwa akabulalanga abantwana bazo, kepha wenza njengokulotshiweyo emthethweni encwadini kaMose njengokuyala kukaJehova ngokuthi: Oyise abayikubulawa ngenxa yabantwana, nabantwana abayikubulawa ngenxa yawoyise, kepha yilowo nalowo uyakufa ngesakhe isono.

[5] Futhi u-Amasiya wabutha uJuda, wabamisa ngokwezindlu zawoyise phansi kwezinduna zezinkulungwane nezinduna zamakhulu, oJuda wonke noBenjamini; wababala kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, wabafumana beyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu abakhethekileyo abangaphuma impi nabangaphatha umkhonto nesihlangu.

[6] Também tomou de Israel a soldo cem mil homens valentes por cem talentos de prata.

[7] Porém certo homem de Deus veio a ele, dizendo: Ó rei, não deixes ir contigo o exército de Israel; porque o SENHOR não é com Israel, isto é, com os filhos de Efraim.

[8] Porém vai só, age e sê forte; do contrário, Deus te faria cair diante do inimigo, porque Deus tem força para ajudar e para fazer cair.

[9] Disse Amazias ao homem de Deus: Que se fará, pois, dos cem talentos de prata que dei às tropas de Israel? Respondeu-lhe o homem de Deus: Muito mais do que isso pode dar-te o SENHOR.

[10] Então, separou Amazias as tropas que lhe tinham vindo de Efraim para que voltassem para casa; pelo que muito se acendeu a ira deles contra Judá, e voltaram para casa ardendo em ira.

[11] Animou-se Amazias e, conduzindo o seu povo, foi-se ao vale do Sal, onde feriu dez mil dos filhos de Seir.

[12] Também os filhos de Judá prenderam vivos dez mil e os trouxeram ao cimo de um penhasco, de onde os precipitaram, de modo que todos foram esmigalhados.

[13] Porém os homens das tropas que Amazias despedira, para que não fossem

[6]Waqasha kwa-Israyeli amaqhawe anamandla ayizinkulungwane eziyikhulu ngamatalenta ayikhulu esiliva.

[7]Kepha kwafika kuye umuntu kaNkulunkulu, wathi: Nkosi, impi yakwa-Israyeli mayingahambi nawe, ngokuba uJehova akasenaye u-Israyeli nabo bonke abantwana bakwa-Efrayimi,

[8]kepha noma kuhamba wena, ukwenza, uziqinisela impi; uNkulunkulu uyakukuwisa phansi ebusweni bezitha. Ngokuba uNkulunkulu unamandla okuwisa phansi nokusiza.

[9]U-Amasiya wayesethi kulowo muntu kaNkulunkulu: Kepha siyakwenze njani ngamatalenta ayikhulu engiwanike impi yakwa-Israyeli na? Umuntu kaNkulunkulu wathi: UJehova unamandla okukunika okuningi kunalokho.

[10]U-Amasiya wayeseyahlukanisa impi ebifike kuye ivela kwa-Efrayimi ukuba iye ekhaya; ngalokho ulaka lwabo lwavuthela kakhulu uJuda, babuyela ekhaya bevutha ulaka.

[11] U-Amasiya waziqinisa, wahola abantu bakhe, waya esiGodini Sikasawoti, wabulala abantwana baseSeyiri abayizinkulungwane eziyishumi.

[12]Abayizinkulungwane eziyishumi bathunjwa ngabantwana bakwaJuda besezwa, babayisa esiqongweni sesiwa, babaphonsa phansi besesiqongweni sesiwa, baphihlizeka bonke.

[13]Kepha abantu bempi ababebuyiselwe emuva ngu-Amasiya ukuba bangaphumi

com ele à peleja, deram sobre as cidades de Judá, desde Samaria até Bete-Horom; feriram deles três mil e fizeram grande despojo.

impi naye baphundla imizi yakwaJuda kusukela eSamariya kuze kube seBeti Horoni, babulala kuyo izinkulungwane ezintathu, bathatha impango eningi.

Deus repreende Amazias por ser este idólatra

14 Vindo Amazias da matança dos edomitas, trouxe consigo os deuses dos filhos de Seir, tomou-os por seus deuses, adorou-os e lhes queimou incenso.

14Kwathi u-Amasiya esebuyile ekubulaleni abakwa-Edomi, waletha onkulunkulu babantwana baseSeyiri, wabamisa babe ngonkulunkulu bakhe, wakhothama phambi kwabo, wabashisela impepho.

15 Então, a ira do SENHOR se acendeu contra Amazias, e mandou-lhe um profeta que lhe disse: Por que buscaste deuses que a seu povo não livraram das tuas mãos?

15Ngalokho intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Amasiya, wathuma umprofethi kuye owathi kuye: Ufuneleni onkulunkulu babantu abangophulanga abantu babo esandleni sakho na?

16 Enquanto lhe falava o profeta, disse-lhe o rei: Acaso, te pusemos por conselheiro do rei? Pára com isso. Por que teríamos de ferir-te? Então, parou o profeta, mas disse: Sei que Deus resolveu destruir-te, porque fizeste isso e não deste ouvidos ao meu conselho.

16Kwathi esakhuluma naye, wathi kuye: Sikubeke umluleki wenkosi na? Yeka, ubuyakubulawelani na? Wayeseyeka umprofethi, wathi: Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu unqumile ukukubhubhisa, ngokuba wenzile lokho, ungalalelanga isiluleko sami.

Amazias derrotado por Jeoás
2 Reis 14.8-14

17 Então, Amazias, rei de Judá, tomou conselho e enviou mensageiros a Jeoás, filho de Jeoacaz, filho de Jeú, rei de Israel, dizendo: Vem, meçamos armas.

17 U-Amasiya, inkosi yakwaJuda, eselulekiwe wathumela kuJowashi indodana kaJehowahazi kaJehu, inkosi yakwa-Israyeli, wathi: Woza sibhekane ubuso nobuso.

18 Porém Jeoás, rei de Israel, respondeu a Amazias, rei de Judá: O cardo que está no Líbano mandou dizer ao cedro que lá está: Dá tua filha por mulher a meu filho; mas os animais do campo, que estavam no Líbano, passaram e pisaram o cardo.

18UJowashi, inkosi yakwa-Israyeli, wathumela ku-Amasiya inkosi yakwaJuda, wathi: Isihlahla somkhaya saseLebanoni sathumela kumsedari waseLebanoni, sathi: Nika indodana yami indodakazi yakho ibe ngumkayo. Kwadlula isilo sasendle saseLebanoni, sanyathela phansi isihlahla somkhaya.

[19] Tu dizes: Eis que feri os edomitas; e o teu coração se ensoberbeceu para te gloriares; agora, fica em casa; por que provocarias o mal para caíres tu, e Judá, contigo?

[20] Mas Amazias não quis atendê-lo; porque isto vinha de Deus, para entregá-los nas mãos dos seus inimigos, porquanto buscaram os deuses dos edomitas.

[21] Subiu, então, Jeoás, rei de Israel, e Amazias, rei de Judá, e mediram armas em Bete-Semes, que pertence a Judá.

[22] Judá foi derrotado por Israel, e fugiu cada um para sua casa.

[23] E Jeoás, rei de Israel, prendeu a Amazias, rei de Judá, filho de Joás, filho de Jeoacaz, em Bete-Semes; levou-o a Jerusalém, cujo muro ele rompeu desde a Porta de Efraim até à Porta da Esquina, quatrocentos côvados.

[24] Tomou todo o ouro e a prata, e todos os utensílios que se acharam na Casa de Deus, com Obede-Edom, e os tesouros da casa do rei, como também reféns; e voltou para Samaria.

A morte de Amazias, de Judá

2 Reis 14.17-20

[25] Amazias, filho de Joás, rei de Judá, viveu quinze anos depois da morte de Jeoás, filho de Jeoacaz, rei de Israel.

[19]Uthi: Bheka, ngichithile u-Edomi; inhliziyo yakho iyakuphakamisa ukuba uzidumise; hlala ekhaya manje; uzilebelani ukuba uwe wena, noJuda ekanye nawe, na?

[20]Kepha u-Amasiya akalalelanga, ngokuba kwavela kuNkulunkulu ukuba abanikele esandleni sezitha zabo, ngokuba babefunile onkulunkulu bakwa-Edomi.

[21]Wayesekhuphuka uJowashi inkosi yakwa-Israyeli; yena no-Amasiya inkosi yakwaJuda babhekana ubuso nobuso eBeti Shemeshi elingelakwaJuda.

[22]UJuda wahlulwa phambi kuka-Israyeli; babaleka, kwaba yilowo nalowo etendeni lakhe.

[23]UJowashi inkosi yakwa-Israyeli wambamba u-Amasiya inkosi yakwaJuda indodana kaJowashi kaJehowahazi eBeti Shemeshi, wamyisa eJerusalema, wadiliza ugange lwaseJerusalema kusukela eSangweni lakwa-Efrayimi kuze kube seSangweni Lasegumbini, izingalo ezingamakhulu amane.

[24] Wathatha lonke igolide nesiliva, nazo zonke izitsha ezafunyanwa endlini kaJehova ku-Obede Edomi, nengcebo yendlu yenkosi, nabayisibambiso, wabuyela eSamariya.

[25] U-Amasiya indodana kaJowashi, inkosi yakwaJuda, wayesekhona emva kokufa kukaJowashi indodana kaJehowahazi, inkosi yakwa-Israyeli, iminyaka eyishumi nanhlanu.

[26] Ora, os mais atos de Amazias, tanto os primeiros como os últimos, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis de Judá e de Israel?

[27] Depois que Amazias deixou de seguir ao SENHOR, conspiraram contra ele em Jerusalém, e ele fugiu para Laquis; porém enviaram após ele homens até Laquis e o mataram ali.

[28] Trouxeram-no sobre cavalos e o sepultaram junto a seus pais na Cidade de Davi.

[26]Ezinye izindaba zika-Amasiya, ezokuqala nezokugcina, bheka, angithi zilotshiwe encwadini yamakhosi akwaJuda nakwa-Israyeli na?

[27]Kusukela esikhathini u-Amasiya aphambuka ngaso ekumlandeleni uJehova bamenzela ugobe eJerusalema; wabalekela eLakishi, kepha bathumela bamlanda eLakishi, bambulala khona.

[28]Bamthwala ngamahhashi, bammbela koyise emzini wakwaJuda.

2 Crônicas 26

O reinado de Uzias

2 Reis 14.21-22; 15.1-4

[1] Todo o povo de Judá tomou a Uzias, que era de dezesseis anos, e o constituiu rei em lugar de Amazias, seu pai.

[2] Ele edificou a Elate e a restituiu a Judá, depois que o rei descansou com seus pais.

[3] Uzias tinha dezesseis anos quando começou a reinar e cinqüenta e dois anos reinou em Jerusalém. Era o nome de sua mãe Jecolias, de Jerusalém.

[4] Ele fez o que era reto perante o SENHOR, segundo tudo o que fizera Amazias, seu pai.

[5] Propôs-se buscar a Deus nos dias de Zacarias, que era sábio nas visões de Deus; nos dias em que buscou ao SENHOR, Deus o fez prosperar.

2 iziKronike 26

U-Uziya uyinkosi kwaJuda. Impi yakhe namandla akhe. Uchoko lwakhe

[1] Bonke abantu bakwaJuda bathatha u-Uziya owayeneminyaka eyishumi nesithupha, bambeka inkosi esikhundleni sikayise u-Amasiya.

[2]Yena wakha i-Eloti, walibuyisela kuJuda, inkosi isilele koyise.

[3] U-Uziya wayeneminyaka eyishumi nesithuha ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi ayisihlanu nambili eJerusalema; igama likanina lalinguJekoliya waseJerusalema.

[4] Wenza okulungile emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uyise u-Amasiya.

[5]Wayelokhu emfuna uNkulunkulu emihleni kaZakariya owafundisa ekumesabeni uJehova; emihleni yokumfuna kwakhe uJehova, uNkulunkulu wamhlahlamelisa.

[6] Saiu e guerreou contra os filisteus e quebrou o muro de Gate, o de Jabné e o de Asdode; e edificou cidades no território de Asdode e entre os filisteus.

[6]Waphuma walwa namaFilisti, wadiliza ugange lwaseGati, nogange lwaseJabine, nogange lwase-Ashidodi; wakha imizi kwelase-Ashidodi naphakathi kwamaFilisti.

[7] Deus o ajudou contra os filisteus, e contra os arábios que habitavam em Gur-Baal, e contra os meunitas.

[7]UNkulunkulu wamsiza kumaFilisti, nakwabase-Arabiya ababehlala eGuri Bali, nakumaMehuni.

[8] Os amonitas deram presentes a Uzias, cujo renome se espalhara até à entrada do Egito, porque se tinha tornado em extremo forte.

[8]Abakwa-Amoni bathela intela ku-Uziya; igama lakhe lahamba laze lafika nasekuyeni eGibithe, ngokuba waba namandla kakhulu.

[9] Também edificou Uzias torres em Jerusalém, à Porta da Esquina, à Porta do Vale e à Porta do Ângulo e as fortificou.

[9] U-Uziya wakha nemibhoshongo eJerusalema ngaseSangweni Lasegumbini, nangaseSangweni Lasesigodini, nangaseNqutshini, wayiqinisa.

[10] Também edificou torres no deserto e cavou muitas cisternas, porque tinha muito gado, tanto nos vales como nas campinas; tinha lavradores e vinhateiros, nos montes e nos campos férteis, porque era amigo da agricultura.

[10]Wakha imibhoshongo ehlane, wemba imigodi eminingi yamanzi, ngokuba wayenezinkomo eziningi ehlanzeni nasethafeni, wayenabalimi nabaphathi bezivini ezintabeni naseKarmeli, ngokuba wayengothanda umhlabathi.

[11] Tinha também Uzias um exército de homens destros nas armas, que saíam à guerra em tropas, segundo o rol feito pelo escrivão Jeiel e Maaséias, oficial, sob a direção de Hananias, um dos príncipes do rei.

[11]U-Uziya wayenempi elwayo eyaphuma ukulwa ngamaviyo njengomumo wokubalwa kwabo ngesandla sikaJehiyeli, umbhali, noMahaseya, umbusi phansi kwesandla sikaHananiya, enye yezinduna zenkosi.

[12] O número total dos cabeças das famílias, homens valentes, era de dois mil e seiscentos.

[12]Umumo wonke wezinhloko zawoyise, amaqhawe anamandla, wawuyizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisithupha.

[13] Debaixo das suas ordens, havia um exército guerreiro de trezentos e sete mil e quinhentos homens, que faziam a guerra

[13]Phansi kwezandla zabo kwakukhona impi enamandla eyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu

com grande poder, para ajudar o rei contra os inimigos.

nezinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisihlanu, eyalwa ngamandla amakhulu ukuba isize inkosi ezitheni.

14 Preparou-lhes Uzias, para todo o exército, escudos, lanças, capacetes, couraças e arcos e até fundas para atirar pedras.

14U-Uziya walungisela impi yonke izihlangu, nemikhonto, nezigqoko, namabhantshi, neminsalo, namatshe endwayimana.

15 Fabricou em Jerusalém máquinas, de invenção de homens peritos, destinadas para as torres e cantos das muralhas, para atirarem flechas e grandes pedras; divulgou-se a sua fama até muito longe, porque foi maravilhosamente ajudado, até que se tornou forte.

15Wenza eJerusalema imishini eyaqanjwa ngokuhlakanipha ukuba ibe phezu kwemibhoshongo nasezingosini, kuphonswe ngayo imicibisholo namatshe amakhulu. Igama lakhe laphumela ekudeni, ngokuba wasizwa ngokumangalisayo waze waba namandla.

Uzias é atacado de lepra

2 Reis 15.5-7

16 Mas, havendo-se já fortificado, exaltou-se o seu coração para a sua própria ruína, e cometeu transgressões contra o SENHOR, seu Deus, porque entrou no templo do SENHOR para queimar incenso no altar do incenso.

16Kepha lapho eseziqinisile, inhliziyo yakhe yazikhukhumeza kwaze kwaba ngukubhubha kwakhe, waphambuka kuJehova uNkulunkulu wakhe, wangena ethempelini likaNkulunkulu ukuba ashise impepho e-altare lempepho.

17 Porém o sacerdote Azarias entrou após ele, com oitenta sacerdotes do SENHOR, homens da maior firmeza;

17 U-Azariya umpristi wangena emva kwakhe, bekhona kanye naye abapristi bakaJehova abangamashumi ayisishiyagalombili, amadoda anamandla;

18 e resistiram ao rei Uzias e lhe disseram: A ti, Uzias, não compete queimar incenso perante o SENHOR, mas aos sacerdotes, filhos de Arão, que são consagrados para este mister; sai do santuário, porque transgrediste; nem será isso para honra tua da parte do SENHOR Deus.

[34] Os filhos de Jericó, trezentos e quarenta e cinco.

[35] Os filhos de Senaá, três mil seiscentos e trinta.

[36] Os sacerdotes: os filhos de Jedaías, da casa de Jesua, novecentos e setenta e três.

[37] Os filhos de Imer, mil e cinqüenta e dois.

[38] Os filhos de Pasur, mil duzentos e quarenta e sete.

[26]abantwana baseRama naseGeba: ngamakhulu ayisithupha namashumi amabili nanye;

[27]amadoda aseMikimasi: yikhulu namashumi amabili nambili;

[28]amadoda aseBethele nase-Ayi: ngamakhulu amabili namashumi amabili nantathu;

[29]abantwana baseNebo: ngamashumi ayisihlanu nambili;

[30]abantwana baseMagibishi: yikhulu namashumi ayisihlanu nesithupha;

[31]abantwana bakwa-Elamu omunye: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisihlanu nane;

[32]abantwana bakwaHarimi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili;

[33]abantwana baseLodi naseHadidi nase-Ono: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi amabili nanhlanu;

[34]abantwana baseJeriko: ngamakhulu amathathu namashumi amane nanhlanu;

[35]abantwana baseSenawa; yizinkulungwane ezintathu namakhulu ayisithupha namashumi amathathu.

[36]Abapristi: abantwana bakwaJedaya bendlu kaJeshuwa: ngamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisikhombisa nantathu;

[37]abantwana bakwa-Imeri: yinkulungwane namashumi ayisihlanu nambili;

[38]abantwana bakwaPhashuri: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi amane nesikhombisa;

[39] Os filhos de Harim, mil e dezessete.

[40] Os levitas: os filhos de Jesua e Cadmiel, dos filhos de Hodavias, setenta e quatro.

[41] Os cantores: os filhos de Asafe, cento e vinte e oito.

[42] Os filhos dos porteiros: os filhos de Salum, os filhos de Ater, os filhos de Talmom, os filhos de Acube, os filhos de Hatita, os filhos de Sobai; ao todo, cento e trinta e nove.

[43] Os servidores do templo: os filhos de Zia, os filhos de Hasufa, os filhos de Tabaote,

[44] os filhos de Queros, os filhos de Sia, os filhos de Padom,

[45] os filhos de Lebana, os filhos de Hagaba, os filhos de Acube, os filhos de Hagabe,

[46] os filhos de Sanlai, os filhos de Hanã,

[47] os filhos de Gidel, os filhos de Gaar, os filhos de Reaías,

[48] os filhos de Rezim, os filhos de Necoda, os filhos de Gazão,

[39]abantwana bakwaHarimi: yinkulungwane neshumi nesikhombisa.

[40]AmaLevi: abantwana bakwaJeshuwa noKadimiyeli babantwana bakwaHodaviya: ngamashumi ayisikhombisa nane;

[41]Abahlabeleli: abantwana bakwa Asafa: yikhulu namashumi amabili nesishiyagalombili;

[42]abantwana babalindisango: abantwana bakwaShalumi, nabantwana bakwa-Atheri, nabantwana bakwaThalimoni, nabantwana bakwa-Akubi, nabantwana bakwaHathita, nabantwana bakwaShobayi, bonke beyikhulu namashumi amathathu nesishiyagalolunye.

[43]AmaNethini: ngabantwana bakwaSiha, nabantwana bakwaHasufa, nabantwana bakwaThabawoti,

[44]nabantwana bakwaKerosi, nabantwana bakwaSiyaha, nabantwana bakwaPhadoni,

[45]nabantwana bakwaLebana, nabantwana bakwaHagaba, nabantwana bakwa-Akubi,

[46]nabantwana bakwaHagabi, nabantwana bakwaShamulayi, nabantwana bakwaHanani,

[47]nabantwana bakwaGideli, nabantwana bakwaGahari, nabantwana bakwaRewaya,

[48]nabantwana bakwaResini, nabantwana bakwaNekhoda, nabantwana bakwaGazamu,

[49] os filhos de Uzá, os filhos de Paséia, os filhos de Besai,

[50] os filhos de Asná, os filhos dos meunitas, os filhos dos nefuseus,

[51] os filhos de Baquebuque, os filhos de Hacufa, os filhos de Harur,

[52] os filhos de Baslute, os filhos de Meída, os filhos de Harsa,

[53] os filhos de Barcos, os filhos de Sísera, os filhos de Temá,

[54] os filhos de Nesias, os filhos de Hatifa.

[55] Os filhos dos servos de Salomão: os filhos de Sotai, os filhos de Soferete, os filhos de Peruda,

[56] os filhos de Jaala, os filhos de Darcom, os filhos de Gidel,

[57] os filhos de Sefatias, os filhos de Hatil, os filhos de Poquerete-Hazebaim e os filhos de Ami.

[58] Todos os servidores do templo e os filhos dos servos de Salomão, trezentos e noventa e dois.

[59] Também estes subiram de Tel-Melá, Tel-Harsa, Querube, Adã e Imer, porém não

[49]nabantwana bakwa-Uza, nabantwana bakwaPhaseya, nabantwana bakwaBesayi,
[50]nabantwana bakwa-Asina, nabantwana bakwaMehuni, nabantwana bakwaNefisimi,
[51]nabantwana bakwaBakibuki, nabantwana bakwaHakufa, nabantwana bakwaHarihuri,
[52]nabantwana bakwaBasiluthi, nabantwana bakwaMehida, nabantwana bakwaHarisha,
[53]nabantwana bakwaBarikhosi, nabantwana bakwaSisera, nabantwana bakwaThema,
[54]nabantwana bakwaNesiya, nabantwana bakwaHathifa.
[55]Abantwana bezinceku zikaSolomoni: ngabantwana bakwaSothayi, nabantwana bakwaHasofereti, nabantwana bakwaPheruda,
[56]nabantwana bakwaJahala, nabantwana bakwaDarikoni, nabantwana bakwaGideli,
[57]nabantwana bakwaShefathiya, nabantwana bakwaHathili, nabantwana bakwaPhokereti Hasebayimi, nabantwana bakwa-Ami.
[58]Onke amaNethini nabantwana bezinceku zikaSolomoni babe ngamakhulu amathathu namashumi ayisishiyagalolunye nambili.
[59]Nampa abakhuphuka eTheli Mela, naseTheli Harisha, naseKherubi, nase-Adani, nase-Imeri, kepha babengenakusho

puderam provar que as suas famílias e a sua linhagem eram de Israel:

izindlu zawoyise nozalo lwabo ukuba babengabakwa-Israyeli yini:

[60] os filhos de Delaías, os filhos de Tobias, os filhos de Necoda, seiscentos e cinqüenta e dois.

[60]ngabantwana bakwaDelaya, nabantwana bakwaThobiya, nabantwana bakwaNekhoda, bengamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu nambili.

[61] Também dos filhos dos sacerdotes: os filhos de Habaías, os filhos de Coz, os filhos de Barzilai, que se casara com uma das filhas de Barzilai, o gileadita, e que foi chamado do nome dele.

[61] Abantwana babapristi: ngabantwana bakwaHabaya, nabantwana bakwaHakhosi, nabantwana bakwaBarizilayi, owathatha umfazi emadodakazini kaBarizilayi wakwaGileyadi, wabizwa ngegama lawo.

[62] Estes procuraram o seu registro nos livros genealógicos, porém o não acharam; pelo que foram tidos por imundos para o sacerdócio.

[62]Labo bafuna ukubhalwa kwabo phakathi kwababhaliweyo ngezizukulwane, kepha kabafunyanwanga; ngalokho bakhishwa ebupristini, kwathiwa bangcolile.

[63] O governador lhes disse que não comessem das coisas sagradas, até que se levantasse um sacerdote com Urim e Tumim.

[63] Umbusi washo kubo ukuba bangadli okungcwelengcwele, kuze kuvele umpristi one-Urimi neThumini.

[64] Toda esta congregação junta foi de quarenta e dois mil trezentos e sessenta,

[64]Lonke ibandla selihlangene laliyizinkulungwane ezingamashumi amane nambili namakhulu amathathu namashumi ayisithupha,

[65] afora os seus servos e as suas servas, que foram sete mil trezentos e trinta e sete; e tinham duzentos cantores e cantoras.

[65]ngaphandle kwezinceku zabo nezincekukazi zabo ezaziyizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu amathathu namashumi amathathu nesikhombisa; babe nabahlabeleli besilisa nabesifazane abangamakhulu amabili.

[66] Os seus cavalos, setecentos e trinta e seis; os seus mulos, duzentos e quarenta e cinco;

[66]Amahhashi abo ayengamakhulu ayisikhombisa namashumi amathathu nesithupha; iminyuzi yabo

yayingamakhulu amabili namashumi amane nanhlanu;

[67]amakamela abo ayengamakhulu amane namashumi amathathu nanhlanu; izimbongolo zaziyizinkulungwane eziyisithupha namakhulu ayisikhombisa namashumi amabili.

[67] os seus camelos, quatrocentos e trinta e cinco; os jumentos, seis mil setecentos e vinte.

[68] Alguns dos cabeças de famílias, vindo à Casa do SENHOR, a qual está em Jerusalém, deram voluntárias ofertas para a Casa de Deus, para a restaurarem no seu lugar.

[68]Ezinye izinhloko zawoyise ekufikeni kwazo endlini kaJehova eseJerusalema zanikelela ngenhliziyo indlu kaNkulunkulu ukuba imiswe endaweni yayo;

[69] Segundo os seus recursos, deram para o tesouro da obra, em ouro, sessenta e um mil daricos, e, em prata, cinco mil arráteis, e cem vestes sacerdotais.

[69]zanikelela isikhwama somsebenzi njengokwamandla azo amadarike ayizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nanye egolide, namamane ayizinkulungwane eziyisihlanu esiliva, nezambatho zabapristi eziyikhulu.

[70] Os sacerdotes, os levitas e alguns do povo, tanto os cantores como os porteiros e os servidores do templo habitaram nas suas cidades, como também todo o Israel.

[70]Base behlala abapristi, namaLevi, nabanye abantu abathile, nabahlabeleli, nabalindisango, namaNethini emizini yabo, bonke abakwa-Israyeli emizini yabo.

Esdras 3

É levantado o altar

[1] Em chegando o sétimo mês, e estando os filhos de Israel já nas cidades, ajuntou-se o povo, como um só homem, em Jerusalém.

[2] Levantou-se Jesua, filho de Jozadaque, e seus irmãos, sacerdotes, e Zorobabel, filho de Sealtiel, e seus irmãos e edificaram o altar do Deus de Israel, para sobre ele

U-Ezra 3

I-altare leminikelo yokushiswa. Umkhosi wamadokodo. Isisekelo sethempeli

[1] Lapho isisondela inyanga yesikhombisa, abantwana bakwa-Israyeli besemizini, abantu babuthana eJerusalema njengomuntu munye.

[2]Kwase kusuka uJeshuwa indodana kaJosadaki, nabafowabo abapristi, noZerubabele indodana kaSheyalitiyeli, nabafowabo, bakha i-altare likaNkulunkulu ka-Israyeli ukuba

oferecerem holocaustos, como está escrito na Lei de Moisés, homem de Deus.

banikele ngeminikelo yokushiswa phezu kwalo njengokulotshiweyo emthethweni kaMose umuntu kaNkulunkulu.

3 Firmaram o altar sobre as suas bases; e, ainda que estavam sob o terror dos povos de outras terras, ofereceram sobre ele holocaustos ao SENHOR, de manhã e à tarde.

3 Balimisa i-altare endaweni yalo, ngokuba babe novalo ngenxa yabantu balawo mazwe, banikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova phezu kwalo, yebo, iminikelo yokushiswa ekuseni nakusihlwa.

4 Celebraram a Festa dos Tabernáculos, como está escrito, e ofereceram holocaustos diários, segundo o número ordenado para cada dia;

4 Bagcina umkhosi wamadokodo njengokulotshiweyo, banikela ngeminikelo yokushiswa imihla ngemihla ngomumo njengokomthetho nanjengokwesiyalezo sezinsuku ngezinsuku,

5 e, depois disto, o holocausto contínuo e os sacrifícios das Festas da Lua Nova e de todas as festas fixas do SENHOR, como também os dos que traziam ofertas voluntárias ao SENHOR.

5 nangasemuva umnikelo oshiswa imihla yonke, neyokwethwasa kwenyanga, neyemikhosi yonke emisiweyo kaJehova eyayingcwelisiwe, neyabo bonke abanikela ngenhliziyo ngeminikelo yesihle kuJehova.

6 Desde o primeiro dia do sétimo mês, começaram a oferecer holocaustos ao SENHOR; porém ainda não estavam postos os fundamentos do templo do SENHOR.

6Ngosuku lokuqala lwenyanga yesikhombisa baqala ukunikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova; kepha isisekelo sethempeli sasingakabekwa.

7 Deram, pois, o dinheiro aos pedreiros e aos carpinteiros, como também comida, bebida e azeite aos sidônios e tírios, para trazerem do Líbano madeira de cedro ao mar, para Jope, segundo a permissão que lhes tinha dado Ciro, rei da Pérsia.

7 Banika nababazi bamatshe imali kanye nababazi bemithi; banika amaSidoni nabaseTire ukudla nokuphuza namafutha ukuba balande imisedari eLebanoni, bayiyise elwandle eJopha ngemvume kaKoresi inkosi yasePheresiya kubo.

Lançados os alicerces do templo

8 No segundo ano da sua vinda à Casa de Deus, em Jerusalém, no segundo mês, Zorobabel, filho de Sealtiel, e Jesua, filho

8Ngomnyaka wesibili wokufika kwabo endlini kaNkulunkulu eJerusalema ngenyanga yesibili uZerubabele, indodana

de Jozadaque, e os outros seus irmãos, sacerdotes e levitas, e todos os que vieram do cativeiro a Jerusalém começaram a obra da Casa do SENHOR e constituíram levitas da idade de vinte anos para cima, para a superintenderem.

kaSheyalitiyeli, noJeshuwa indodana kaJosadaki, nensali yabafowabo abapristi, namaLevi, nabo bonke abafike eJerusalema bevela ekuthunjweni baqala ukumisa amaLevi, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu ukuba babonise umsebenzi wendlu kaJehova.

[9] Então, se apresentaram Jesua com seus filhos e seus irmãos, Cadmiel e seus filhos, os filhos de Judá, para juntamente vigiarem os que faziam a obra na Casa de Deus, bem como os filhos de Henadade, seus filhos e seus irmãos, os levitas.

[9] Base bema uJeshuwa namadodana akhe nabafowabo, noKadimiyeli namadodana akhe, amadodana akwaJuda, njengomuntu munye ukuba babonise izisebenzi endlini kaJehova, kanye namadodana kaHenadadi namadodana awo nabafowabo amaLevi.

[10] Quando os edificadores lançaram os alicerces do templo do SENHOR, apresentaram-se os sacerdotes, paramentados e com trombetas, e os levitas, filhos de Asafe, com címbalos, para louvarem o SENHOR, segundo as determinações de Davi, rei de Israel.

[10] Lapho abakhi sebebeka isisekelo sethempeli likaJehova, bamisa abapristi begqokile benamacilongo kanye namaLevi, amadodana ka-Asafa, enamasimbali ukuba badumise uJehova njengehlelo likaDavide inkosi yakwa-Israyeli.

[11] Cantavam alternadamente, louvando e rendendo graças ao SENHOR, com estas palavras: Ele é bom, porque a sua misericórdia dura para sempre sobre Israel. E todo o povo jubilou com altas vozes, louvando ao SENHOR por se terem lançado os alicerces da sua casa.

[11] Baphendulana ngokumdumisa nangokumbonga uJehova, bathi: Ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade phezu kuka-Israyeli. Bonke abantu bakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu ekumdumiseni kwabo uJehova, ngokuba isisekelo sendlu kaJehova sase sibekiwe.

[12] Porém muitos dos sacerdotes, e levitas, e cabeças de famílias, já idosos, que viram a primeira casa, choraram em alta voz quando à sua vista foram lançados os

[12] Abaningi babapristi namaLevi, nezinhloko zawoyise, abadala ababeyibonile indlu yokuqala, bakhala ngezwi elikhulu ekubekweni kwesisekelo

alicerces desta casa; muitos, no entanto, levantaram as vozes com gritos de alegria.

[13] De maneira que não se podiam discernir as vozes de alegria das vozes do choro do povo; pois o povo jubilava com tão grandes gritos, que as vozes se ouviam de mui longe.

saleyo ndlu phambi kwamehlo abo; abaningi bakhamuluka ngentokozo,

[13]ngangokuba abantu babengenakwahlukanisa izwi lokukhamuluka kwentokozo nezwi lokukhala kwabantu, ngokuba abantu bakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu, umsindo wezwakala kude.

Esdras 4

Os inimigos fazem parar a construção do templo

[1] Ouvindo os adversários de Judá e Benjamim que os que voltaram do cativeiro edificavam o templo ao SENHOR, Deus de Israel,

[2] chegaram-se a Zorobabel e aos cabeças de famílias e lhes disseram: Deixai-nos edificar convosco, porque, como vós, buscaremos a vosso Deus; como também já lhe sacrificamos desde os dias de Esar-Hadom, rei da Assíria, que nos fez subir para aqui.

[3] Porém Zorobabel, Jesua e os outros cabeças de famílias lhes responderam: Nada tendes conosco na edificação da casa a nosso Deus; nós mesmos, sozinhos, a edificaremos ao SENHOR, Deus de Israel, como nos ordenou Ciro, rei da Pérsia.

[4] Então, as gentes da terra desanimaram o povo de Judá, inquietando-o no edificar;

[5] alugaram contra eles conselheiros para frustrarem o seu plano, todos os dias de Ciro, rei da Pérsia, até ao reinado de Dario, rei da Pérsia.

U-Ezra 4

Umsebenzi wokwakha uyathiywa

[1]Kwathi lapho izitha zakwaJuda nezakwaBenjamini sezizwile ukuthi abathunjwa bakhela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ithempeli,

[2]zasondela kuZerubabele nakuzo izinhloko zawoyise, zathi kubo: Masakhe nani, ngokuba sifuna uNkulunkulu wenu njengani, sinikela kuye kwasemihleni ka-Esari Hadoni inkosi yase-Asiriya owasikhuphulela lapha.

[3] Kepha oZerubabele noJeshuwa nensali yezinhloko zawoyise bakwa-Israyeli bathi kuzo: Aninandaba nathi yokwakhela uNkulunkulu wethu indlu, kepha thina sodwa siyakumakhela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli njengokusiyala kwenkosi uKoresi, inkosi yasePheresiya.

[4]Abantu balelo zwe base bedangalisa izandla zabantu bakwaJuda, babesabisa ekwakheni,

[5]babaqashela abeluleki, bashafisa amasu abo zonke izinsuku zikaKoresi, inkosi yasePheresiya, kwaze kwaba sekubuseni kukaDariyu inkosi yasePheresiya.

6 No princípio do reinado de Assuero, escreveram uma acusação contra os habitantes de Judá e de Jerusalém.

7 E, nos dias de Artaxerxes, rei da Pérsia, Bislão, Mitredate, Tabeel e os outros seus companheiros lhe escreveram; a carta estava escrita em caracteres aramaicos e na língua siríaca.

8 Reum, o comandante, e Sinsai, o escrivão, escreveram contra Jerusalém uma carta ao rei Artaxerxes.

9 Escreveu Reum, o comandante, e Sinsai, o escrivão, os outros seus companheiros: dinaítas, afarsaquitas, tarpelitas, afarsitas, arquevitas, babilônios, susanquitas, deavitas, elamitas

10 e outros povos, que o grande e afamado Osnapar transportou e que fez habitar na cidade de Samaria, e os outros aquém do Eufrates.

11 Eis o teor da carta endereçada ao rei Artaxerxes:

12 Teus servos, os homens daquém do Eufrates e em tal tempo. Seja do conhecimento do rei que os judeus que subiram de ti vieram a nós a Jerusalém. Eles estão reedificando aquela rebelde e

6Ekubuseni kuka-Ahashiveroshi, ekuqaleni kokubusa kwakhe, baloba bamangalela abakhileyo kwaJuda naseJerusalema.

7Emihleni ka-Aritahishashita oBishilamu, noMithiredati, noThabeyeli, nabanye abangane bakhe baloba ku-Aritahishashita inkosi yasePheresiya; okulotshiweyo kwakunjengokulotshwa kwesi-Aramu, kwachazwa ngesi-Aramu.

8URehumi unqamulajuqu noShimshayi, umbhali, babhala incwadi enje ku-Aritahishashita inkosi ngeJerusalema ngokuthi:

9URehumi unqamulajuqu noShimshayi, umbhali, nabanye abangane babo, amaDinayi, nama-Afarisathiki, namaTharipheli, nama-Afarisi, nama-Arikhevi, nabaseBabele, namaShushaniki, namaDehavi, nama-Elamu,

10nezinye izizwe ezathunjwa ngu-Osinaphari omkhulu nodumileyo, zahlaliswa emzini waseSamariya nakwelinye phesheya koMfula, nokuthi nokuthi.

11Nansi impinda yencwadi abayithuma ku-Aritahishashita inkosi yokuthi: Izinceku zakho, abantu abaphesheya koMfula, nokuthi nokuthi.

12 Makwazeke enkosini ukuthi abaJuda abakhuphuka kuwe sebefikile kithi eJerusalema; bayawakha umuzi ohlubukileyo nonengekayo; sebeyakuqeda izingange, bahlanganise izisekelo.

malvada cidade e vão restaurando os seus muros e reparando os seus fundamentos.

13 Saiba ainda o rei que, se aquela cidade se reedificar, e os muros se restaurarem, eles não pagarão os direitos, os impostos e os pedágios e assim causarão prejuízos ao rei.

14 Agora, pois, como somos assalariados do rei e não nos convém ver a desonra dele, por isso, mandamos dar-lhe aviso,

15 a fim de que se busque no Livro das Crônicas de seus pais, e nele achará o rei e saberá que aquela cidade foi rebelde e danosa aos reis e às províncias e que nela tem havido rebeliões, desde tempos antigos; pelo que foi a cidade destruída.

16 Nós, pois, fazemos notório ao rei que, se aquela cidade se reedificar, e os seus muros se restaurarem, sucederá que não terá a posse das terras deste lado do Eufrates.

17 Então, respondeu o rei: A Reum, o comandante, a Sinsai, o escrivão, e a seus companheiros que habitam em Samaria, como aos restantes que estão além do Eufrates: Paz!

18 A carta que nos enviastes foi distintamente lida na minha presença.

19 Ordenando-o eu, buscaram e acharam que, de tempos antigos, aquela cidade se levantou contra os reis, e nela se têm feito rebeliões e motins.

13 Makwazeke enkosini, kalokhu, ukuthi uma lo muzi wakhiwa, ziqedwe izingange, abayikuthela intela, nenkokhiso, nemali yendlela, okuyakulimaza amakhosi ekugcineni.

14Njengokuba manje sidla usawoti wendlu yenkosi, kungasifanele ukuba sibone ihlazo lenkosi, ngalokho sithumele sayazisa inkosi

15ukuba kucingwe encwadini yezindaba yawoyihlo; uyakufumana encwadini yezindaba, wazi ukuthi lo muzi ungumuzi ohlubukayo, olimaza amakhosi namazwe, nokuthi benzile ukwambuka phakathi kwawo kwasendulo; ngalokho lo muzi wachithwa.

16Siyazisa inkosi ukuthi uma lo muzi wakhiwa, ziqedwe izingange zawo, ngalokho awusayikuba nasiqephu phesheya koMfula.

17Inkosi yayisithuma incwadi kuRehumi unqamulajuqu noShimshayi umbhali nabanye abangane babo ababehlala eSamariya nakwelinye phesheya koMfula yokuthi: Ukuthula, nokuthi nokuthi.

18 Incwadi enayithuma kithina ifundwe kahle phambi kwami.

19Ngayaleza, kwacingwa, kufumanisekile ukuthi lowo muzi uziphakamisele amakhosi kwasendulo nokuthi ukuhlubuka nokwambuka kwenziwe phakathi kwawo.

[20] Também houve reis poderosos sobre Jerusalém, que dalém do Eufrates dominaram em todo lugar, e se lhes pagaram direitos, impostos e pedágios.

[20] Kade kwakukhona amakhosi anamandla naphezu kweJerusalema, ayebusa lonke elingaphesheya koMfula; aphiwa intela, nenkokhiso, nemali yendlela.

[21] Agora, pois, dai ordem a fim de que aqueles homens parem o trabalho e não se edifique aquela cidade, a não ser com autorização minha.

[21]Makuyalezwe ukuba labo bantu bathiywe, ungakhiwa lowo muzi, ngize ngiyaleze mina.

[22] Guardai-vos, não sejais remissos nestas coisas. Por que há de crescer o dano em prejuízo dos reis?

[22]Xwayani ukuba ningayekethisi kulokho; kungase kwande ukonakala, kulimaze amakhosi, na?

[23] Depois de lida a cópia da carta do rei Artaxerxes perante Reum, Sinsai, o escrivão, e seus companheiros, foram eles apressadamente a Jerusalém, aos judeus, e, de mão armada, os forçaram a parar com a obra.

[23]Lapho impinda yencwadi yenkosi u-Aritahishashita isifundiwe phambi kwawoRehumi noShimshayi umbhali nabangane babo, bashesha baya eJerusalema kubaJuda, babathiya ngezikhwepha nangamandla.

[24] Cessou, pois, a obra da Casa de Deus, a qual estava em Jerusalém; e isso até ao segundo ano do reinado de Dario, rei da Pérsia.

[24]Wawusuthiywa umsebenzi wendlu kaNkulunkulu eseJerusalema. Wathiywa kwaze kwaba ngumnyaka wesibili wokubusa kukaDariyu inkosi yasePheresiya.

Esdras 5

As exortações de Ageu e Zacarias

[1] Ora, os profetas Ageu e Zacarias, filho de Ido, profetizaram aos judeus que estavam em Judá e em Jerusalém, em nome do Deus de Israel, cujo Espírito estava com eles.

[2] Então, se dispuseram Zorobabel, filho de Sealtiel, e Jesua, filho de Jozadaque, e começaram a edificar a Casa de Deus, a qual está em Jerusalém; e, com eles, os

U-Ezra 5

Umsebenzi wokwakha uyaqala futhi. UDariyu uyabhalelwa

[1] Abaprofethi, uHagayi umprofethi noZakariya indodana ka-Ido, baprofetha kubaJuda ababekwaJuda naseJerusalema ngegama likaNkulunkulu ka-Israyeli owayephezu kwabo.

[2]Kwase kusuka uZerubabele indodana kaSheyalitiyeli noJeshuwa, indodana kaJosadaki, baqala ukwakha indlu

referidos profetas de Deus, que os ajudavam.

[3] Nesse tempo, veio a eles Tatenai, governador daquém do Eufrates, e Setar-Bozenai, e seus companheiros e assim lhes perguntaram: Quem vos deu ordem para reedificardes esta casa e restaurardes este muro?

[4] Perguntaram-lhes mais: E quais são os nomes dos homens que constroem este edifício?

[5] Porém os olhos de Deus estavam sobre os anciãos dos judeus, de maneira que não foram obrigados a parar, até que o assunto chegasse a Dario, e viesse resposta por carta sobre isso.

Os adversários consultam Dario

[6] Eis a cópia da carta que Tatenai, o governador daquém do Eufrates, com Setar-Bozenai e os seus companheiros, os afarsaquitas, que estavam deste lado do rio, enviaram ao rei Dario,

[7] na qual lhe deram uma relação escrita do modo seguinte: Ao rei Dario, toda a paz!

[8] Seja notório ao rei que nós fomos à província de Judá, à casa do grande Deus, a qual se edifica com grandes pedras; a madeira se está pondo nas paredes, e a obra se vai fazendo com diligência e se adianta nas suas mãos.

[9] Perguntamos aos anciãos e assim lhes dissemos: Quem vos deu ordem para reedificardes esta casa e restaurardes este muro?

kaNkulunkulu eseJerusalema; abaprofethi bakaNkulunkulu babenabo bebasiza.

[3]Ngasona leso sikhathi kwafika kubo uThathenayi, umbusi phesheya koMfula, noShethati Bozenayi, nabangane babo, basho kanje kubo, bathi: Ngubani owaniyaleza ukwakha le ndlu nokuqeda lolu gange na?

[4]Khona sabatshela ukuthi angobani amagama abantu abakha le ndlu.

[5] Kepha iso likaNkulunkulu wabo laliphezu kwamalunga abaJuda, ababathiyanga, ize iye leyo ndaba kuDariyu, kubuyiselwe impendulo ngayo ngencwadi.

[6]Nansi impinda yencwadi uThathenayi, umbusi waphesheya koMfula, noShethari Bozenayi, nabangane bakhe ama-Afarisaki ayengaphesheya koMfula abayithuma kuDariyu inkosi;

[7]bathuma incwadi kuye okulotshwe kuyo ukuthi: KuDariyu inkosi; makube ngukuthula konke.

[8] Makwazeke enkosini ukuthi saya ezweni lakwaJuda endlini kaNkulunkulu omkhulu eyakhiwe ngamatshe amakhulu, imithi ifakwe ezindongeni; lo msebenzi uqhubeka ngesineke, unempumelelo ezandleni zabo.

[9] Sase sibuza kulawo malunga, sasho kuwo kanje, sathi: Ngubani owaniyaleza ukwakha le ndlu nokuqeda lolu gange na?

[10] Demais disto, lhes perguntamos também pelo seu nome, para tos declararmos, para que te pudéssemos escrever os nomes dos homens que são entre eles os chefes.

[10]Sabuza namagama abo ukuba sikwazise, sibhale amagama abantu ababe yizinhloko zabo.

[11] Esta foi a resposta que nos deram: Nós somos servos do Deus dos céus e da terra e reedificamos a casa que há muitos anos fora construída, a qual um grande rei de Israel edificou e a terminou.

[11] Babuyisela impendulo kithi, bathi: Thina siyizinceku zikaNkulunkulu wezulu nomhlaba, sakha indlu ekade yakhiwa sekudlule iminyaka eminingi, eyakhiwa yinkosi enkulu yakwa-Israyeli, yaqedwa.

[12] Mas, depois que nossos pais provocaram à ira o Deus dos céus, ele os entregou nas mãos de Nabucodonosor, rei da Babilônia, o caldeu, o qual destruiu esta casa e transportou o povo para a Babilônia.

[12] Kepha ngokuba obaba bese bemthukuthelisile uNkulunkulu wezulu, wabanikela esandleni sikaNebukadinesari inkosi yaseBabele, umKaledi, owachitha le ndlu, wabamukisa, wabayisa eBabele.

[13] Porém Ciro, rei da Babilônia, no seu primeiro ano, deu ordem para que esta Casa de Deus se edificasse.

[13] Kepha ngomnyaka wokuqala kaKoresi inkosi yaseBabele, uKoresi inkosi wakhipha isimemezelo sokuba kwakhiwe le ndlu kaNkulunkulu.

[14] Também os utensílios de ouro e de prata, da Casa de Deus, que Nabucodonosor levara do templo que estava em Jerusalém e os meteu no templo de Babilônia, o rei Ciro os tirou de lá, e foram dados a um homem cujo nome era Sesbazar, a quem nomeara governador

[14] Futhi izitsha zegolide nezesiliva zendlu kaNkulunkulu azikhipha uNebukadinesari ethempelini elaliseJerusalema wazingenisa ethempelini laseBabele, zona lezo uKoresi inkosi wazikhipha ethempelini laseBabele, zanikwa omunye ogama lakhe lalinguSheshebasari, owayemenze umbusi;

[15] e lhe disse: Toma estes utensílios, e vai, e leva-os ao templo de Jerusalém, e faze reedificar a Casa de Deus, no seu lugar.

[15]wathi kuye: Thatha lezi zitsha, uye uzibeke ethempelini eliseJerusalema, indlu kaNkulunkulu yakhiwe endaweni yayo.

[16] Então, veio o dito Sesbazar e lançou os fundamentos da Casa de Deus, a qual está em Jerusalém; e, daí para cá, se está edificando e ainda não está acabada.

[16]Wayesefika lowo Sheshebasari, wabeka izisekelo zendlu kaNkulunkulu eseJerusalema; kusukela kuleso sikhathi

[17] Agora, pois, se parece bem ao rei, que se busque nos arquivos reais, na Babilônia, se é verdade haver uma ordem do rei Ciro para edificar esta Casa de Deus, em Jerusalém; e sobre isto nos faça o rei saber a sua vontade.

Esdras 6

O decreto de Dario

[1] Então, o rei Dario deu ordem, e uma busca se fez nos arquivos reais da Babilônia, onde se guardavam os documentos.

[2] Em Acmetá, na fortaleza que está na província da Média, se achou um rolo, e nele estava escrito um memorial que dizia assim:

[3] O rei Ciro, no seu primeiro ano, baixou o seguinte decreto: Com respeito à Casa de Deus, em Jerusalém, deve ela edificar-se para ser um lugar em que se ofereçam sacrifícios; seus fundamentos serão firmes, a sua altura, de sessenta côvados, e a sua largura, de sessenta côvados, com três carreiras de grandes pedras e uma de madeira nova.

[4] A despesa se fará da casa do rei.

[5] Demais disto, os utensílios de ouro e de prata, da Casa de Deus, que Nabucodonosor tirara do templo que

kuze kube manje isakhiwa njalo, kayikapheli.

[17] Ngalokho uma kukuhle enkosini, makucingwe endlini yengcebo yenkosi elapho eBabele ukuba kunjalo yini ukuthi uKoresi inkosi wakhipha isimemezelo sokuba kwakhiwe le ndlu kaNkulunkulu eJerusalema; inkosi mayithume kithi inhloso yayo ngalokho.

U-Ezra 6

Ithempeli liyaqedwa; liyahlanjululwa

[1]Khona uDariyu wakhipha isimemezelo, kwacingwa endlini yezincwadi, lapho ingcebo yayibekelelwa khona eBabele.

[2]Kwafunyanwa e-Akimetha endlini yamakhosi esezweni laseMediya umqulu okwakulotshwe kuwo isikhumbuzo sokuthi:

[3] Ngomnyaka wokuqala kaKoresi inkosi, uKoresi inkosi wakhipha isimemezelo sokuthi: Ngendlu kaNkulunkulu eseJerusalema, indlu mayakhiwe endaweni lapho benikelela khona ngemihlatshelo, zibekwe izisekelo zayo, ziqine, ukuphakama kwayo kube yizingalo ezingamashumi ayisithupha, ububanzi bayo bube yizingalo ezingamashumi ayisithupha;

[4] ayibe nezinhla ezintathu zamatshe amakhulu, nohla lwemithi emisha, izindleko zikhishwe endlini yenkosi;

[5] futhi izitsha zegolide nezesiliva zendlu kaNkulunkulu, uNebukadinesari azikhipha ethempelini eliseJerusalema

estava em Jerusalém, levando-os para a Babilônia, serão devolvidos para o templo que está em Jerusalém, cada utensílio para o seu lugar; serão recolocados na Casa de Deus.

waziyisa eBabele, mazibuyiswe, ziyiswe ethempelini eliseJerusalema, kube yileso naleso endaweni yaso, zibekwe endlini kaNkulunkulu.

6 Agora, pois, Tatenai, governador dalém do Eufrates, Setar-Bozenai e seus companheiros, os afarsaquitas, que estais para além do rio, retirai-vos para longe dali.

6 Ngalokho, Thathenayi, mbusi phesheya koMfula, nawe Shethari Bozenayi nabangane benu ama-Afarisaki abangaphesheya koMfula, manibe kude nalapho;

7 Não interrompais a obra desta Casa de Deus, para que o governador dos judeus e os seus anciãos reedifiquem a Casa de Deus no seu lugar.

7wuyekeni umsebenzi waleyo ndlu kaNkulunkulu; umbusi wabaJuda namalunga abaJuda mabakhe le ndlu kaNkulunkulu endaweni yayo.

8 Também por mim se decreta o que haveis de fazer a estes anciãos dos judeus, para que reedifiquem esta Casa de Deus, a saber, que da tesouraria real, isto é, dos tributos dalém do rio, se pague, pontualmente, a despesa a estes homens, para que não se interrompa a obra.

8 Futhi ngikhipha isimemezelo ngeniyakukwenza kulawo malunga abaJuda ukuba kwakhiwe leyo ndlu kaNkulunkulu: labo bantu mabanikwe kakhulu izindleko empahleni yenkosi, intela yaphesheya koMfula, ukuba bangathiywa.

9 Também se lhes dê, dia após dia, sem falta, aquilo de que houverem mister: novilhos, carneiros e cordeiros, para holocausto ao Deus dos céus; trigo, sal, vinho e azeite, segundo a determinação dos sacerdotes que estão em Jerusalém;

9Abakudingayo, amaduna, nezinqama, namawundlu okuyakuba yiminikelo yokushiswa kuNkulunkulu wezulu, kanye nokolweni, nosawoti, newayini, namafutha, njengezwi lababpristi abaseJerusalema, mabanikwe khona imihla ngemihla kungaphuthi

10 para que ofereçam sacrifícios de aroma agradável ao Deus dos céus e orem pela vida do rei e de seus filhos.

10ukuba banikele ngemihlatshelo yephunga elimnandi kuNkulunkulu wezulu, bakhulekele ukuphila kwenkosi namadodana ayo.

11 Também por mim se decreta que todo homem que alterar este decreto, uma viga se arrancará da sua casa, e que seja ele

11 Futhi ngikhiphe isimemezelo sokuthi yilowo nalowo oguqula leli zwi, makukhishwe umuthi endlini yakhe,

levantado e pendurado nela; e que da sua casa se faça um monturo.

[12] O Deus, pois, que fez habitar ali o seu nome derribe a todos os reis e povos que estenderem a mão para alterar o decreto e para destruir esta Casa de Deus, a qual está em Jerusalém. Eu, Dario, baixei o decreto; que se execute com toda a pontualidade.

Completado o templo

[13] Então, Tatenai, o governador daquém do Eufrates, Setar-Bozenai e os seus companheiros assim o fizeram pontualmente, segundo decretara o rei Dario.

[14] Os anciãos dos judeus iam edificando e prosperando em virtude do que profetizaram os profetas Ageu e Zacarias, filho de Ido. Edificaram a casa e a terminaram segundo o mandado do Deus de Israel e segundo o decreto de Ciro, de Dario e de Artaxerxes, rei da Pérsia.

[15] Acabou-se esta casa no dia terceiro do mês de adar, no sexto ano do reinado do rei Dario.

A dedicação do templo

[16] Os filhos de Israel, os sacerdotes, os levitas e o restante dos exilados celebraram com regozijo a dedicação desta Casa de Deus.

[17] Para a dedicação desta Casa de Deus ofereceram cem novilhos, duzentos carneiros, quatrocentos cordeiros e doze cabritos, para oferta pelo pecado de todo

aphakanyiswe, abethelwe kuwo, indlu yakhe yenziwe ibe yiquba ngenxa yalokho,

[12]uNkulunkulu ohlalise khona igama lakhe awise phansi onke amakhosi nabantu abayakwelula izandla zabo ukuba baguqule lokho, bachithe le ndlu kaNkulunkulu eseJerusalema. Mina Dariyu ngikhiphe isimemezelo; masenziwe ngaso sonke isineke.

[13]Khona uThathenayi umbusi waphesheya koMfula, noShethari Bozenayi, nabangane babo benza kanjalo ngesineke sonke, ngokuba uDariyu inkosi wayethumele.

[14] Amalunga abaJuda ayesakha, aba nempumelelo ngokuprofetha kukaHagayi umprofethi noZakariya indodana ka-Ido. Akha, aqeda njengokwesiyalezo sikaNkulunkulu ka-Israyeli, nanjengokwesiyalezo sikaKoresi, noDariyu, no-Aritahishashita, inkosi yasePheresiya.

[15]Yaqedwa leyo ndlu ngosuku lwesithathu lwenyanga ka-Adari ngomnyaka wesithupha wokubusa kukaDariyu inkosi.

[16]Abantwana bakwa-Israyeli, abapristi namaLevi nabanye abathunjwa, bagcina ukuhlanjululwa kwaleyo ndlu kaNkulunkulu ngokuthokoza.

[17]Banikela ekuhlanjululweni kwaleyo ndlu kaNkulunkulu ngezinkunzi eziyikhulu, nangezinqama ezingamakhulu amabili, nangamawundlu angamakhulu

o Israel, segundo o número das tribos de Israel.

[18] Estabeleceram os sacerdotes nos seus turnos e os levitas nas suas divisões, para o serviço de Deus em Jerusalém, segundo está escrito no Livro de Moisés.

A celebração da Páscoa

[19] Os que vieram do cativeiro celebraram a Páscoa no dia catorze do primeiro mês; [20] porque os sacerdotes e os levitas se tinham purificado como se fossem um só homem, e todos estavam limpos; mataram o cordeiro da Páscoa para todos os que vieram do cativeiro, para os sacerdotes, seus irmãos, e para si mesmos.

[21] Assim, comeram a Páscoa os filhos de Israel que tinham voltado do exílio e todos os que, unindo-se a eles, se haviam separado da imundícia dos gentios da terra, para buscarem o SENHOR, Deus de Israel.

[22] Celebraram a Festa dos Pães Asmos por sete dias, com regozijo, porque o SENHOR os tinha alegrado, mudando o coração do rei da Assíria a favor deles, para lhes fortalecer as mãos na obra da Casa de Deus, o Deus de Israel.

Esdras 7

Artaxerxes envia Esdras a Jerusalém

amane, kanye nezimpongo eziyishumi nambili zibe ngumnikelo wokona ngo-Israyeli wonke njengokomumo wezizwe zakwa-Israyeli.

[18] Bamisa abapristi ngamaqembu abo namaLevi ngezigaba zawo ukuba baphathe inkonzo kaNkulunkulu eseJerusalema njengokulotshiweyo encwadini kaMose.

[19] Abathunjwa bagcina iphasika ngolweshumi nane lwenyanga yokuqala.

[20]Ngokuba abapristi namaLevi babezihlambululile kanyekanye; bonke babehlambulukile; bahlabela bonke abathunjwa iphasika, nabafowabo abapristi, bazihlabela nabo uqobo lwabo.

[21]Abantwana bakwa-Israyeli ababebuyile ekuthunjweni, nabo bonke ababezahlukanisele kubo nokungcola kwabezizwe balelo zwe ukuba bafune uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli badla;

[22]bagubha umkhosi wesinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa ngokuthokoza, ngokuba uJehova wayebathokozisile, waguqulela inhliziyo yenkosi yase-Asiriya kubo ukuba kuqiniswe izandla zabo emsebenzini wendlu kaNkulunkulu, uNkulunkulu ka-Israyeli.

U-Ezra 7

U-Ezra uya eJerusalema

[1] Passadas estas coisas, no reinado de Artaxerxes, rei da Pérsia, Esdras, filho de Seraías, filho de Azarias, filho de Hilquias,

[2] filho de Salum, filho de Zadoque, filho de Aitube,

[3] filho de Amarias, filho de Azarias, filho de Meraiote,

[4] filho de Zeraías, filho de Uzi, filho de Buqui,

[5] filho de Abisua, filho de Finéias, filho de Eleazar, filho de Arão, o sumo sacerdote, este Esdras subiu da Babilônia.

[6] Ele era escriba versado na Lei de Moisés, dada pelo SENHOR, Deus de Israel; e, segundo a boa mão do SENHOR, seu Deus, que estava sobre ele, o rei lhe concedeu tudo quanto lhe pedira.

[7] Também subiram a Jerusalém alguns dos filhos de Israel, dos sacerdotes, dos levitas, dos cantores, dos porteiros e dos servidores do templo, no sétimo ano do rei Artaxerxes.

[8] Esdras chegou a Jerusalém no quinto mês, no sétimo ano deste rei;

[9] pois, no primeiro dia do primeiro mês, partiu da Babilônia e, no primeiro dia do quinto mês, chegou a Jerusalém, segundo a boa mão do seu Deus sobre ele.

[1]Emva kwalokho esabusa u-Aritahishashita, inkosi yasePheresiya, u-Ezra kaSeraya ka-Azariya kaHilikiya,

[2]kaShalumi kaSadoki ka-Ahithubi

[3]ka-Amariya ka-Azariya kaMerayoti

[4]kaZeraya ka-Uzi kaBuki

[5]ka-Abishuwa kaFinehasi ka-Eleyazare ka-Aroni umpristi omkhulu,

[6]u-Ezra lo wakhuphuka eBabele; wayengumbhali echwepheshile emthethweni kaMose awunikiweyo nguJehova uNkulunkulu ka-Israyeli; inkosi yamnika konke akucelayo ngokwesandla sikaJehova uNkulunkulu wakhe esasiphezu kwakhe.

[7]Kwakhuphuka nabanye abantwana bakwa-Israyeli, nabapristi, namaLevi, nabahlabeleli, nabalindisango, namaNethini, baya eJerusalema ngomnyaka wesikhombisa ka-Aritahishashita inkosi.

[8]Wafika eJerusalema ngenyanga yesihlanu ngomnyaka wesikhombisa wenkosi.

[9] Ngokuba ngolokuqala lwenyanga yokuqala waqala ukukhuphuka eBabele; ngolokuqala lwenyanga yesihlanu wafika eJerusalema ngokwesandla esihle sikaNkulunkulu wakhe esasiphezu kwakhe,

[10] Porque Esdras tinha disposto o coração para buscar a Lei do SENHOR, e para a cumprir, e para ensinar em Israel os seus estatutos e os seus juízos.

[10]ngokuba u-Ezra wayebhekise inhliziyo yakhe ukufuna umthetho kaJehova, nokwenza nokufundisa izimiso nezahlulelo kwa-Israyeli.

[11] Esta é a cópia da carta que o rei Artaxerxes deu ao sacerdote Esdras, o escriba das palavras, dos mandamentos e dos estatutos do SENHOR sobre Israel:

[11]Lokhu kuyimpinda yencwadi inkosi u-Aritahishashita eyamnika yona u-Ezra umpristi nombhali, umbhali wamazwi emiyalo kaJehova nawezimiso zakhe ku-Israyeli, yokuthi:

[12] Artaxerxes, rei dos reis, ao sacerdote Esdras, escriba da Lei do Deus do céu: Paz perfeita!

[12] U-Aritahishashita, inkosi yamakhosi ku-Ezra, umpristi nombhali womthetho kaNkulunkulu wezulu; ukuthula, nokuthi nokuthi.

[13] Por mim se decreta que, no meu reino, todo aquele do povo de Israel e dos seus sacerdotes e levitas que quiser ir contigo a Jerusalém, vá.

[13] Ngikhipha isimemezelo sokuthi bonke abantu bakwa-Israyeli, nabapristi babo, namaLevi embusweni wami, abafuna ukuya eJerusalema, bangahamba nawe,

[14] Porquanto és mandado da parte do rei e dos seus sete conselheiros para fazeres inquirição a respeito de Judá e de Jerusalém, segundo a Lei do teu Deus, a qual está na tua mão;

[14] njengokuba uthunyiwe yinkosi nabeluleki bayo abayisikhombisa ukubuza ngelakwaJuda neJerusalema njengokomthetho kaNkulunkulu wakho osesandleni sakho,

[15] e para levares a prata e o ouro que o rei e os seus conselheiros, espontaneamente, ofereceram ao Deus de Israel, cuja habitação está em Jerusalém,

[15] nokuyisa isiliva negolide inkosi nabeluleki bayo abalinikele ngesihle kuNkulunkulu ka-Israyeli ondlu yakhe iseJerusalema,

[16] bem assim a prata e o ouro que achares em toda a província da Babilônia, com as ofertas voluntárias do povo e dos sacerdotes, oferecidas, espontaneamente, para a casa de seu Deus, a qual está em Jerusalém.

[16]kanye nalo lonke isiliva negolide oyakukufumana ezweni lonke laseBabele, neminikelo yesihle yabantu neyabapristi, benikelela ngesihle indlu kaNkulunkulu wabo eseJerusalema.

[17] Portanto, diligentemente comprarás com este dinheiro novilhos, e carneiros, e cordeiros, e as suas ofertas de manjares, e

[17]Ngalokho uyakuthenga ngesineke sonke ngale mali izinkunzi, nezinqama, namawundlu kanye neminikelo yakho

as suas libações e as oferecerás sobre o altar da casa de teu Deus, a qual está em Jerusalém.

yempuphu neminikelo yakho yokuphuzwa, unikele ngakho e-altare lendlu kaNkulunkulu wenu eseJerusalema.

[18] Também o que a ti e a teus irmãos bem parecer fazerdes do resto da prata e do ouro, fazei-o, segundo a vontade do vosso Deus.

[18] Okuhle kuwe nakubafowenu ukuba nikwenze ngesiliva negolide eliseleyo, kwenzeni ngokwentando kaNkulunkulu wenu.

[19] E os utensílios que te foram dados para o serviço da casa de teu Deus, restitui-os perante o Deus de Jerusalém.

[19]Izitsha onikwe zona ukuba zibe ngezenkonzo yendlu kaNkulunkulu wakho, zibuyisele phambi kukaNkulunkulu waseJerusalema.

[20] E tudo mais que for necessário para a casa de teu Deus, que te convenha dar, dá-lo-ás da casa dos tesouros do rei.

[20]Okunye okudingekayo endlini kaNkulunkulu wakho, ofanele ukukunika, kukhiphe endlini yengcebo yenkosi.

[21] Eu mesmo, o rei Artaxerxes, decreto a todos os tesoureiros que estão dalém do Eufrates: tudo quanto vos pedir o sacerdote Esdras, escriba da Lei do Deus do céu, pontualmente se lhe faça;

[21] Kimina, yebo, mina Aritahishashita inkosi, kukhishwa isimemezelo kubo bonke abaphathizikhwama abangaphesheya koMfula ukuthi konke u-Ezra umpristi nombhali womthetho kaNkulunkulu wezulu ayakukubiza kini, makwenziwe ngesineke sonke,

[22] até cem talentos de prata, até cem coros de trigo, até cem batos de vinho, até cem batos de azeite e sal à vontade.

[22]kuze kube ngamatalenta ayikhulu esiliva, namakhora ayikhulu kakolweni, namabhati ayikhulu ewayini, namabhati ayikhulu amafutha, nosawoti ongabaliwe.

[23] Tudo quanto se ordenar, segundo o mandado do Deus do céu, exatamente se faça para a casa do Deus do céu; pois para que haveria grande ira sobre o reino do rei e de seus filhos?

[23]Konke okusesimemezelweni sikaNkulunkulu wezulu makwenzelwe ngesineke indlu kaNkulunkulu wezulu, ngokuba kungase kube khona intukuthelo phezu kombuso wenkosi namadodana ayo na?

[24] Também vos fazemos saber, acerca de todos os sacerdotes e levitas, cantores, porteiros, de todos os que servem nesta

[24]Futhi siyanazisa ukuthi akakho onegunya lokuthelisa abapristi namaLevi, nabahlabeleli, nabalindisango,

Casa de Deus, que não será lícito impor-lhes nem direitos, nem impostos, nem pedágios.

[25] Tu, Esdras, segundo a sabedoria do teu Deus, que possuis, nomeia magistrados e juízes que julguem a todo o povo que está dalém do Eufrates, a todos os que sabem as leis de teu Deus, e ao que não as sabe, que lhas façam saber.

[26] Todo aquele que não observar a lei do teu Deus e a lei do rei, seja condenado ou à morte, ou ao desterro, ou à confiscação de bens, ou à prisão.

[27] Bendito seja o SENHOR, Deus de nossos pais, que deste modo moveu o coração do rei para ornar a Casa do SENHOR, a qual está em Jerusalém;

[28] e que estendeu para mim a sua misericórdia perante o rei, os seus conselheiros e todos os seus príncipes poderosos. Assim, me animei, segundo a boa mão do SENHOR, meu Deus, sobre mim, e ajuntei de Israel alguns chefes para subirem comigo.

Esdras 8

A lista dos que voltaram com Esdras

[1] São estes os cabeças de famílias, com as suas genealogias, os que subiram comigo da Babilônia, no reinado do rei Artaxerxes:

namaNethini, nezinceku zale ndlu kaNkulunkulu intela, nenkokhiso, nemali yendlela.

[25] Wena-ke, Ezra, ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu wakho okusesandleni sakho, misa abahluleli nabaholi abayakwahlulela bonke abantu abangaphesheya koMfula, bonke abazi imithetho kaNkulunkulu wakho; nongayaziyo nimfundise.

[26]Bonke abangayikwenza umthetho kaNkulunkulu wakho nomthetho wenkosi mabahlulelwe ngaso sonke isineke, noma kube ngokokufa noma okokuxoshwa, noma impahla yabo ibe yisizi, noma kube ngukuboshwa.

[27]Makabongwe uJehova uNkulunkulu wawobaba obeke enhliziyweni yenkosi ukuhlobisa indlu kaJehova eseJerusalema,

[28]wehlisela phezu kwami umusa phambi kwenkosi, nabeluleki bayo, naphambi kwezikhulu zonke zenkosi ezingamaqhawe. Mina ngaqiniswa ngokwesandla seNkosi uNkulunkulu wami esasiphezu kwami, ngabutha ku-Israyeli abayizinhloko ukuba bakhuphuke nami.

U-Ezra 8

Abakhuphuka no-Ezra

[1] Nazi izinhloko zawoyise, nazi izizukulwane zabakhuphuka nami eBabele ekubuseni kuka-Aritahishashita inkosi:

[2] dos filhos de Finéias, Gérson; dos filhos de Itamar, Daniel; dos filhos de Davi, Hatus;

[3] dos filhos de Secanias, dos filhos de Parós, Zacarias, e, com ele, foram registrados cento e cinqüenta homens.

[4] Dos filhos de Paate-Moabe, Elioenai, filho de Zeraías, e, com ele, duzentos homens.

[5] Dos filhos de Secanias, o filho de Jaaziel, e, com ele, trezentos homens.

[6] Dos filhos de Adim, Ebede, filho de Jônatas, e, com ele, cinqüenta homens.

[7] Dos filhos de Elão, Jesaías, filho de Atalias, e, com ele, setenta homens.

[8] Dos filhos de Sefatias, Zebadias, filho de Micael, e, com ele, oitenta homens.

[9] Dos filhos de Joabe, Obadias, filho de Jeiel, e, com ele, duzentos e dezoito homens.

[10] Dos filhos de Bani, Selomite, filho de Josifias, e, com ele, cento e sessenta homens.

[11] Dos filhos de Bebai, Zacarias, o filho de Bebai, e, com ele, vinte e oito homens.

[2]Kumadodana kaFinehasi: nguGereshomu; kumadodana ka-Itamari: nguDaniyeli; kumadodana kaDavide: nguHathushi.

[3]Kumadodana kaShekaniya, kumadodana kaPharoshi: nguZakariya; kanye naye kwabhalwa ngezizukulwane abesilisa abayikhulu namashumi ayisihlanu.

[4]Kumadodana kaPhahati Mowabi: ngu-Eliyohenayi indodana kaZeraya; kanye naye ngabesilisa abangamakhulu amabili.

[5]Kumadodana kaShekaniya: yindodana kaJahaziyeli; kanye nayo ngabesilisa abangamakhulu amathathu.

[6]Kumadodana ka-Adini: ngu-Ebedi indodana kaJonathani; kanye naye ngabesilisa abangamashumi ayisihlanu.

[7]Kumadodana ka-Elamu: nguJeshaya indodana ka-Athaliya; kanye naye ngabesilisa abangamashumi ayisikhombisa.

[8]Kumadodana kaShefathiya: nguZebadiya indodana kaMikayeli; kanye naye ngabesilisa abangamashumi ayisishiyagalombili.

[9]Kumadodana kaJowabe: ngu-Obadiya indodana kaJehiyeli; kanye naye ngabesilisa abangamakhulu amabili neshumi nesishiyagalombili.

[10]Kumadodana kaShelomiti: yindodana kaJosifiya; kanye nayo ngabesilisa abayikhulu namashumi ayisithupha.

[11]Kumadodana kaBebayi: nguZakariya indodana kaBebayi; kanye naye

ngabesilisa abangamashumi amabili nesishiyagalombili.

[12] Dos filhos de Azgade, Joanã, o filho de Hacatã, e, com ele, cento e dez homens.

[12]Kumadodana ka-Azigadi: nguJohanani indodana kaHakathani; kanye naye ngabesilisa abayikhulu neshumi.

[13] Dos filhos de Adonicão, últimos a chegar, seus nomes eram estes: Elifelete, Jeiel e Semaías, e, com eles, sessenta homens.

[13]Kumadodana ka-Adonikamu, awokugcina: nanka amagama awo: ngo-Elifeleti, noJehiyeli, noShemaya, nabesilisa abangamashumi ayisithupha kanye nabo.

[14] Dos filhos de Bigvai, Utai e Zabude, e, com eles, setenta homens.

[14]Kumadodana kaBigivayi: ngo-Uthayi noZabudi; kanye nabo ngabesilisa abanamashumi ayisikhombisa.

Esdras manda buscar levitas

[15] Ajuntei-os perto do rio que corre para Aava, onde ficamos acampados três dias. Passando revista ao povo e aos sacerdotes e não tendo achado nenhum dos filhos de Levi,

[15]Ngababutha emfuleni oya e-Ahava; samisa khona izinsuku ezintathu; ngabheka abantu nabapristi, angifumananga khona noyedwa wamadodana kaLevi.

[16] enviei Eliézer, Ariel, Semaías, Elnatã, Jaribe, Elnatã, Natã, Zacarias e Mesulão, os chefes, como também a Joiaribe e a Elnatã, que eram sábios.

[16]Ngase ngithuma ngibiza o-Eliyezeri, no-Ariyeli, noShemaya, no-Elinathani, noJaribi, no-Elinathani, noNathani, noZakariya, noMeshulamu abayizinhloko, kanye noJoyaribi no-Elinathani abafundisayo.

[17] Enviei-os a Ido, chefe em Casifia, e lhes dei expressamente as palavras que deveriam dizer a Ido e aos servidores do templo, seus irmãos, em Casifia, para nos trazerem ministros para a casa do nosso Deus.

[17]Ngabathuma ku-Ido, inhloko yasendaweni yaseKhasifiya, ngabeka emlonyeni wabo amazwi abayakuwakhuluma ku-Ido nakubafowabo amaNethini endaweni yaseKhasifiya ukuba basilethele izinceku zendlu kaNkulunkulu wethu.

[18] Trouxeram-nos, segundo a boa mão de Deus sobre nós, um homem sábio, dos filhos de Mali, filho de Levi, filho de Israel,

[18]Ngesandla esihle sikaNkulunkulu wethu esasiphezu kwethu basilethela umuntu onengqondo wamadodana kaMaheli indodana kaLevi ka-Israyeli, kanye

a saber, Serebias, com os seus filhos e irmãos, dezoito;

noSherebiya namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nesishiyagalombili,

[19] e a Hasabias e, com ele, Jesaías, dos filhos de Merari, com seus irmãos e os filhos deles, vinte;

[19]noHashabiya enoJeshaya wamadodana kaMerari, nabafowabo namadodana abo, bengamashumi amabili,

[20] e dos servidores do templo, que Davi e os príncipes deram para o ministério dos levitas, duzentos e vinte, todos eles mencionados nominalmente.

[20]nakuwo amaNethini uDavide nezikhulu ababewanikele enkonzweni yamaLevi amaNethini angamakhulu amabili namashumi amabili, abizwa onke ngamagama.

O jejum

[21] Então, apregoei ali um jejum junto ao rio Aava, para nos humilharmos perante o nosso Deus, para lhe pedirmos jornada feliz para nós, para nossos filhos e para tudo o que era nosso.

[21]Ngase ngimemezela khona ukuzila ukudla ngasemfuleni i-Ahava ukuba sizithobe phambi kukaNkulunkulu, sizifunele kuye indlela emhlophe, thina nabantwana bethu, nemfuyo yethu yonke.

[22] Porque tive vergonha de pedir ao rei exército e cavaleiros para nos defenderem do inimigo no caminho, porquanto já lhe havíamos dito: A boa mão do nosso Deus é sobre todos os que o buscam, para o bem deles; mas a sua força e a sua ira, contra todos os que o abandonam.

[22]Ngokuba nganginamahloni ukucela enkosini impi nabamahhashi ukuba basisize ezitheni zasendleleni, ngokuba sasikhulumile enkosini, sathi: Isandla sikaNkulunkulu wethu siphezu kwabo bonke abamfunayo ukuba kube kuhle, kepha amandla akhe nentukuthelo yakhe kuphezu kwabo bonke abamshiyayo.

[23] Nós, pois, jejuamos e pedimos isto ao nosso Deus, e ele nos atendeu.

[23]Sase sizila-ke, sanxusa uNkulunkulu wethu ngalokho, wasizwa.

A entrega das contribuições aos sacerdotes

[24] Então, separei doze dos principais, isto é, Serebias, Hasabias e dez dos seus irmãos.

[24]Ngase ngahlukanisa ezikhulwini zabapristi abayishumi nambili: oSherebiya, noHashabiya, nabafowabo abayishumi kanye nabo,

[25] Pesei-lhes a prata, e o ouro, e os utensílios que eram a contribuição para a casa de nosso Deus, a qual ofereceram o

[25]ngabalinganisela isiliva negolide nezitsha, umnikelo wendlu kaNkulunkulu wethu, okwakunikelwe ngawo yinkosi

rei, os seus conselheiros, os seus príncipes e todo o Israel que se achou ali.

nabeluleki bayo, nezikhulu zayo, naye wonke u-Israyeli owayelapho;

[26] Entreguei-lhes nas mãos seiscentos e cinqüenta talentos de prata e, em objetos de prata, cem talentos, além de cem talentos de ouro;

[26]ngalinganisela ezandleni zabo amatalenta angamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu esiliva, namatalenta ayikhulu ayizitsha zesiliva, namatalenta ayikhulu egolide,

[27] e vinte taças de ouro de mil daricos e dois objetos de lustroso e fino bronze, tão precioso como ouro.

[27]nezindebe ezingamashumi amabili zegolide ezingamadarike ayinkulungwane, nezitsha ezimbili zethusi elikhazimulayo nelihle, eliyigugu njengegolide.

[28] Disse-lhes: Vós sois santos ao SENHOR, e santos são estes objetos, como também esta prata e este ouro, oferta voluntária ao SENHOR, Deus de vossos pais.

[28]Ngathi kubo: Ningcwele kuJehova, nezitsha zingcwele; isiliva negolide kungumnikelo wesihle kuJehova uNkulunkulu wawoyihlo.

[29] Vigiai-os e guardai-os até que os peseis na presença dos principais sacerdotes, e dos levitas, e dos cabeças de famílias de Israel, em Jerusalém, nas câmaras da Casa do SENHOR.

[29] Lindani, nikugcine, nize nikulinganise ngaphambi kwezikhulu zabapristi nezamaLevi nezikhulu zawoyise bakwa-Israyeli eJerusalema emakamelweni endlu kaJehova.

[30] Então, receberam os sacerdotes e os levitas o peso da prata, do ouro e dos objetos, para trazerem a Jerusalém, à casa de nosso Deus.

[30]Base bamukela abapristi namaLevi okulinganisiweyo, isiliva negolide nezitsha, ukuba bakuyise eJerusalema endlini kaNkulunkulu wethu.

A chegada a Jerusalém

[31] Partimos do rio Aava, no dia doze do primeiro mês, a fim de irmos para Jerusalém; e a boa mão do nosso Deus estava sobre nós e livrou-nos das mãos dos inimigos e dos que nos armavam ciladas pelo caminho.

[31]Sase sisuka emfuleni i-Ahava ngolweshumi nambili lwenyanga yokuqala ukuba siye eJerusalema; isandla sikaNkulunkulu wethu sasiphezu kwethu, wasophula esandleni sesitha nakumqamekeli endleleni.

[32] Chegamos a Jerusalém e repousamos ali três dias.

[32]Safika eJerusalema, sahlala khona izinsuku ezintathu.

[33] No quarto dia, pesamos, na casa do nosso Deus, a prata, o ouro, os objetos e os

[33]Ngosuku lwesine kwalinganiswa isiliva negolide nezitsha endlini kaNkulunkulu

entregamos a Meremote, filho do sacerdote Urias; com ele estava Eleazar, filho de Finéias, e, com eles, Jozabade, filho de Jesua, e Noadias, filho de Binui, levitas;

wethu, kwanikezwa esandleni sikaMeremoti, indodana ka-Uriya, umpristi; u-Eleyazare indodana kaFinehasi wayenaye; uJozabadi indodana kaJeshuwa noNohadiya, indodana kaBinuwi, amaLevi, babe nabo,

[34] tudo foi contado e pesado, e o peso total, imediatamente registrado.

[34]konke-ke kwenziwa ngomumo nangesisindo; sonke isisindo salotshwa ngaleso sikhathi.

[35] Os exilados que vieram do cativeiro ofereceram holocaustos ao Deus de Israel, doze novilhos por todo o Israel, noventa e seis carneiros, setenta e sete cordeiros e, como oferta pelo pecado, doze bodes; tudo em holocausto ao SENHOR.

[35] Abathunjwa abaphuma ekuthunjweni banikela ngeminikelo yokushiswa kuNkulunkulu ka-Israyeli eyizinkunzi eziyishumi nambili ngaye wonke u-Israyeli, nezinqama ezingamashumi ayisihiyagalolunye nesithupha, namawundlu angamashumi ayisikhombisa nesikhombisa, nezimpongo eziyishumi nambili zibe ngumnikelo wokona; konke kwakungumnikelo wokushiswa kuJehova.

[36] Então, deram as ordens do rei aos seus sátrapas e aos governadores deste lado do Eufrates; e estes ajudaram o povo na reconstrução da Casa de Deus.

[36]Banika imithetho yenkosi kothulasizwe benkosi nakubabusi phesheya koMfula; basekela abantu nendlu kaNkulunkulu.

Esdras 9

A oração e confissão de Esdras

[1] Acabadas, pois, estas coisas, vieram ter comigo os príncipes, dizendo: O povo de Israel, e os sacerdotes, e os levitas não se separaram dos povos de outras terras com as suas abominações, isto é, dos cananeus, dos heteus, dos ferezeus, dos jebuseus, dos amonitas, dos moabitas, dos egípcios e dos amorreus,

U-Ezra 9

Ukuhlangana kwabakwa-Israyeli nabezizwe

[1]Kwathi sekuphelile lokho, izikhulu zasondela kimi, zathi: Abantu bakwa-Israyeli nabapristi namaLevi abazahlukanisanga nabantu bezizwe nezinengiso zabo, ezamaKhanani, namaHeti, namaPherizi, namaJebusi, nama-Amoni, nabakwaMowabi, nabaseGibithe, nama-Amori.

[2] pois tomaram das suas filhas para si e para seus filhos, e, assim, se misturou a linhagem santa com os povos dessas terras, e até os príncipes e magistrados foram os primeiros nesta transgressão.
[3] Ouvindo eu tal coisa, rasguei as minhas vestes e o meu manto, e arranquei os cabelos da cabeça e da barba, e me assentei atônito.

[4] Então, se ajuntaram a mim todos os que tremiam das palavras do Deus de Israel, por causa da transgressão dos do cativeiro; porém eu permaneci assentado atônito até ao sacrifício da tarde.

[5] Na hora do sacrifício da tarde, levantei-me da minha humilhação, com as vestes e o manto já rasgados, me pus de joelhos, estendi as mãos para o SENHOR, meu Deus,

[6] e disse: Meu Deus! Estou confuso e envergonhado, para levantar a ti a face, meu Deus, porque as nossas iniqüidades se multiplicaram sobre a nossa cabeça, e a nossa culpa cresceu até aos céus.

[7] Desde os dias de nossos pais até hoje, estamos em grande culpa e, por causa das nossas iniqüidades, fomos entregues, nós, os nossos reis e os nossos sacerdotes, nas mãos dos reis de outras terras e sujeitos à espada, ao cativeiro, ao roubo e à ignomínia, como hoje se vê.

[2]Ngokuba bazithathele amadodakazi abo, bona namadodana abo, kuze kuthi inzalo engcwele isixubene nabantu bezizwe; izandla zezikhulu nababusi yizona ebeziphambili kuleso siphambeko.
[3]Lapho ngizwa leyo ndaba, ngaklebhula ingubo yami nejazi lami, ngahluthula izinwele zekhanda lami nesilevu sami, ngahlala phansi ngimangele.
[4]Kwase kubuthana kimi bonke abathuthumela ngamazwi kaNkulunkulu ka-Israyeli ngenxa yesiphambeko sabathunjwa; ngahlala ngimangele kwaze kwaba sesikhathini somnikelo wakusihlwa.
[5]Ngesikhathi somnikelo wakusihlwa ngavuka ekuzileni kwami, ingubo yami nejazi lami kuklebhukile, ngaguqa ngamadolo, ngelulela izandla zami kuJehova uNkulunkulu wami,
[6] ngathi: Nkulunkulu wami, nginamahloni, ngiyakhophoza ukuba ngiphakamisele ubuso bami kuwe Nkulunkulu wami, ngokuba izono zethu zandile ngaphezu kwamakhanda ethu, namacala ethu akhulile kuze kube sezulwini.
[7]Kusukela ezinsukwini zawobaba kuze kube namuhla sinecala elikhulu; ngenxa yezono zethu sanikelwa thina namakhosi ethu nabapristi bethu ezandleni zamakhosi abezizwe enkembeni, nasekuthunjweni, nasekuphangweni, nasemahlonini obuso njenganamuhla.

[8] Agora, por breve momento, se nos manifestou a graça da parte do SENHOR, nosso Deus, para nos deixar alguns que escapem e para dar-nos estabilidade no seu santo lugar; para nos alumiar os olhos, ó Deus nosso, e para nos dar um pouco de vida na nossa servidão;

[9] porque somos servos, porém, na nossa servidão, não nos desamparou o nosso Deus; antes, estendeu sobre nós a sua misericórdia, e achamos favor perante os reis da Pérsia, para nos reviver, para levantar a casa do nosso Deus, para restaurar as suas ruínas e para que nos desse um muro de segurança em Judá e em Jerusalém.

[10] Agora, ó nosso Deus, que diremos depois disto? Pois deixamos os teus mandamentos,

[11] que ordenaste por intermédio dos teus servos, os profetas, dizendo: A terra em que entrais para a possuir é terra imunda pela imundícia dos seus povos, pelas abominações com que, na sua corrupção, a encheram de uma extremidade à outra.

[12] Por isso, não dareis as vossas filhas a seus filhos, e suas filhas não tomareis para os vossos filhos, e jamais procurareis a paz e o bem desses povos; para que sejais fortes, e comais o melhor da terra, e a deixeis por herança a vossos filhos, para sempre.

[8] Kepha manje senzelwe isikhashana umusa ovela kuJehova uNkulunkulu wethu ukusishiyela insali yabasindileyo nokusinika isikhonkwane endaweni yakhe engcwele ukuba uNkulunkulu wethu akhanyise amehlo ethu, asinike ikhefu elincane ebugqileni bethu.

[9]Ngokuba siyizigqila; nokho uNkulunkulu wethu akasishiyanga ebugqileni bethu, kepha usenzele isihawu emehlweni amakhosi asePheresiya ukuba asinike ikhefu, simise indlu kaNkulunkulu wethu, sivuse incithakalo yayo, asinike ugange kwaJuda naseJerusalema.

[10] Manje siyakuthini, Nkulunkulu wethu, emva kwalokhu na? Ngokuba sishiyile imiyalo yakho

[11] oyale ngayo ngezandla zezinceku zakho abaprofethi ngokuthi: Izwe eniya kulo ukulidla liyizwe elingcolileyo ngenxa yokungcola kwabantu bezizwe ngezinengiso zabo eziligcwalisile ngokonakalisa kwabo, kusukela ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.

[12]Ngalokho ninganiki amadodana abo amadodakazi enu, futhi ningathatheli amadodana enu amadodakazi abo, ningafuni ukuthula kwabo nenhlalakahle yabo kuze kube phakade, ukuze nibe namandla, nidle okuhle kwezwe, nilishiye libe yifa labantwana benu kuze kube phakade.

[13] Depois de tudo o que nos tem sucedido por causa das nossas más obras e da nossa grande culpa, e vendo ainda que tu, ó nosso Deus, nos tens castigado menos do que merecem as nossas iniqüidades e ainda nos deste este restante que escapou,
[14] tornaremos a violar os teus mandamentos e a aparentar-nos com os povos destas abominações? Não te indignarias tu, assim, contra nós, até de todo nos consumires, até não haver restante nem alguém que escapasse?
[15] Ah! SENHOR, Deus de Israel, justo és, pois somos os restantes que escaparam, como hoje se vê. Eis que estamos diante de ti na nossa culpa, porque ninguém há que possa estar na tua presença por causa disto.

Esdras 10

Os israelitas despedem suas mulheres heteias

[1] Enquanto Esdras orava e fazia confissão, chorando prostrado diante da Casa de Deus, ajuntou-se a ele de Israel mui grande congregação de homens, de mulheres e de crianças; pois o povo chorava com grande choro.

[2] Então, Secanias, filho de Jeiel, um dos filhos de Elão, tomou a palavra e disse a Esdras: Nós temos transgredido contra o nosso Deus, casando com mulheres estrangeiras, dos povos de outras terras, mas, no tocante a isto, ainda há esperança para Israel.

[13] Ngasemva kwakho konke okufike phezu kwethu ngenxa yezenzo zethu ezimbi, nangecala lethu elikhulu, nangokuba wena Nkulunkulu wethu awusijezisanga ngokufanele izono zethu, wasinika isigaba sabasindileyo njengalesi,

[14]singabuye saphule yini imiyalo yakho, sendiselane nalabo bantu abazenza lezi zinengiso na? Nga ungasithukutheleli uze usiqede, kuze kungabikho nsali nosindayo na?

[15]Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, ulungile, ngokuba sishiyiwe siyinsali nje njenganamuhla; bheka, siphambi kwakho necala lethu, nokho akakho ongema phambi kwakho ngenxa yalokho.

U-Ezra 10

Abesifazane babezizwe bayalahlwa

[1]U-Ezra esakhuleka, evuma izono ngokukhala, eziwise phansi phambi kwendlu kaNkulunkulu, kwabuthana kuye kuvela ku-Israyeli ibandla elikhulu kakhulu labesilisa nabesifazane nabantwana, ngokuba abantu bakhala ngokukhala okukhulu.

[2]UShekaniya, indodana kaJehiyeli, enye yamadodana ka-Elamu, wathatha wathi ku-Ezra: Siphambukile kuNkulunkulu wethu, sithathe abesifazane babezizwe kubantu bezwe. Nokho lisekhona ithemba ku-Israyeli ngale nto.

[3] Agora, pois, façamos aliança com o nosso Deus, de que despediremos todas as mulheres e os seus filhos, segundo o conselho do SENHOR e o dos que tremem ao mandado do nosso Deus; e faça-se segundo a Lei.

[3]Ngalokho masenze isivumelwano noNkulunkulu wethu ukuba silahle bonke abesifazane nabazelwe yibo ngesiluleko senkosi nesabathuthumela ngomyalo kaNkulunkulu wethu; akwenziwe ngomthetho.

[4] Levanta-te, pois esta coisa é de tua incumbência, e nós seremos contigo; sê forte e age.

[4]Vuka, ngokuba iphezu kwakho le ndaba; thina sinawe; yiba nesibindi, ukwenze.

[5] Então, Esdras se levantou e ajuramentou os principais sacerdotes, os levitas e todo o Israel, de que fariam segundo esta palavra. E eles juraram.

[5]Wayesevuka u-Ezra, wafungisa izikhulu zabapristi, namaLevi, naye wonke u-Israyeli ukuba benze ngokwaleli zwi. Bafunga-ke.

[6] Esdras se retirou de diante da Casa de Deus, e entrou na câmara de Joanã, filho de Eliasibe, e lá não comeu pão, nem bebeu água, porque pranteava por causa da transgressão dos que tinham voltado do exílio.

[6]Wayesevuka u-Ezra phambi kwendlu kaNkulunkulu, wangena ekamelweni likaJehohanani indodana ka-Eliyashibi, kepha esefike khona akadlanga sinkwa, kaphuzanga manzi, ngokuba walila ngenxa yesiphambeko sabathunjwa.

[7] Fez-se passar pregão por Judá e Jerusalém a todos os que vieram do exílio, que deviam ajuntar-se em Jerusalém;

[7]Bathumela izwi kwaJuda naseJerusalema kubo bonke abathunjwa ukuba babuthane eJerusalema

[8] e que, se alguém, em três dias, não viesse, segundo o conselho dos príncipes e dos anciãos, todos os seus bens seriam totalmente destruídos, e ele mesmo separado da congregação dos que voltaram do exílio.

[8] ngokuthi bonke abangafiki ngezinsuku ezintathu ngokwesiluleko sezikhulu namalunga kuyakudliwa yonke impahla yabo, bona bahlukaniswe nebandla labathunjwa.

[9] Então, todos os homens de Judá e Benjamim, em três dias, se ajuntaram em Jerusalém; no dia vinte do mês nono, todo o povo se assentou na praça da Casa de Deus, tremendo por causa desta coisa e por causa das grandes chuvas.

[9]Bonke abantu bakwaJuda nabakwaBenjamini babuthana eJerusalema ngezinsuku ezintathu; kwakuyinyanga yesishiyagalolunye, ngolwamashumi amabili lwenyanga; bonke abantu bahlala esigcawini ngaphambi kwendlu kaNkulunkulu

bethuthumela ngale ndaba nangemvula enkulu.

[10] Então, se levantou Esdras, o sacerdote, e lhes disse: Vós transgredistes casando-vos com mulheres estrangeiras, aumentando a culpa de Israel.

[10]U-Ezra, umpristi, wasukuma, wathi kubo: Niphambukile nithathe abesifazane babezizwe ukwandisa icala lakwa-Israyeli.

[11] Agora, pois, fazei confissão ao SENHOR, Deus de vossos pais, e fazei o que é do seu agrado; separai-vos dos povos de outras terras e das mulheres estrangeiras.

[11]Ngalokho vumani izono kuJehova uNkulunkulu wawoyihlo, nenze intando yakhe, nizahlukanise nabantu bezwe nabesifazane babezizwe.

[12] Respondeu toda a congregação e disse em altas vozes: Assim seja; segundo as tuas palavras, assim nos convém fazer.

[12]Lase liphendula lonke ibandla, lathi ngezwi elikhulu: Njengokusho kwakho kithina nga sikwenza.

[13] Porém o povo é muito, e, sendo tempo de grandes chuvas, não podemos estar aqui de fora; e não é isto obra de um dia ou dois, pois somos muitos os que transgredimos nesta coisa.

[13]Kepha abantu baningi, futhi kuyisikhathi semvula enkulu, asinakuma phandle, futhi lo msebenzi awusiwo walusuku lunye nowezimbili, ngokuba siphambukile kakhulu ngale ndaba.

[14] Ora, que os nossos príncipes decidam por toda a congregação, e que venham a eles em tempos determinados todos os que em nossas cidades casaram com mulheres estrangeiras, e com estes os anciãos de cada cidade, e os seus juízes, até que desviemos de nós o brasume da ira do nosso Deus, por esta coisa.

[14]Izinduna zethu mazime phambi kwebandla lonke; bonke abasemizini yethu abathathe abesifazane babezizwe mabeze ngesikhathi esinqunyiweyo, benamalunga emizi ngemizi nabahluleli bayo, ize ibuye kithi intukuthelo evuthayo kaNkulunkulu wethu kule ndaba.

[15] No entanto, Jônatas, filho de Asael, e Jazeías, filho de Ticvá, se opuseram a esta coisa; e Mesulão e Sabetai, levita, os apoiaram.

[15]UJonathani, indodana ka-Asaheli, noJahazeya indodana kaThikiva kuphela bamelana nalokho; oMeshulamu noShabethayi umLevi babasiza.

[16] Assim o fizeram os que voltaram do exílio; então, Esdras, o sacerdote, elegeu nominalmente os homens cabeças de famílias, segundo a casa de seus pais, que

[16]Kepha abathunjwa benze njalo. Kwakhethwa u-Ezra, umpristi, namadoda ayizinhloko zawoyise njengezindlu zawoyise, bonke ngamagama; bahlala

se assentaram no dia primeiro do décimo mês, para inquirir nesta coisa;

[17] e o concluíram no dia primeiro do primeiro mês, a respeito de todos os homens que casaram com mulheres estrangeiras.

[18] Acharam-se dentre os filhos dos sacerdotes estes, que casaram com mulheres estrangeiras: dos filhos de Jesua, filho de Jozadaque, e de seus irmãos: Maaséias, Eliézer, Jaribe e Gedalias.

[19] Com um aperto de mão, prometeram despedir suas mulheres e, por serem culpados, ofereceram um carneiro do rebanho pela sua culpa.

[20] Dos filhos de Imer: Hanani e Zebadias.

[21] Dos filhos de Harim: Maaséias, Elias, Semaías, Jeiel e Uzias.

[22] Dos filhos de Pasur: Elioenai, Maaséias, Ismael, Natanael, Jozabade e Elasa.

[23] Dos levitas: Jozabade e Simei, Quelaías (este é Quelita), Petaías, Judá e Eliézer.

[24] Dos cantores: Eliasibe; dos porteiros: Salum, Telém e Uri.

[25] E de Israel: dos filhos de Parós: Ramias, Jezias, Malquias, Miamim, Eleazar, Malquias e Benaia.

ngosuku lokuqala lwenyanga yeshumi ukuyiphenya le ndaba.

[17]Baqeda namadoda ayethathe abesifazane babezizwe ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala.

[18]Abafunyaniswa phakathi kwamadodana abapristi ukuthi bathathe abesifazane babezizwe nampa: kumadodana kaJeshuwa indodana kaJosadaki nakubafowabo: ngoMahaseya, no-Eliyezeri, noJaribi, noGedaliya.

[19]Banika izandla zabo zokuthi bayakulahla abafazi babo; lokhu benecala, banikela ngenqama yomhlambi ngecala labo.

[20]Kumadodana ka-Imeri: ngoHanani noZebadiya.

[21]Kumadodana kaHarimi: ngoMahaseya, no-Eliya, noShemaya, noJehiyeli, no-Uziya.

[22]Kumadodana kaPhashuri: ngo-Eliyohenayi, noMahaseya, no-Ishmayeli, noNethaneli, noJozabadi, no-Eleyasa.

[23]KumaLevi: ngoJozabadi, noShimeyi, noKhelaya onguKelitha, noPhethahiya, noJuda, no-Eliyezeri.

[24]Kubahlabeleli: ngu-Eliyashibi; kubalindisango: ngoShalumi, noTeleme, no-Uri.

[25]Ku-Israyeli: Kumadodana kaPharoshi: ngoRamiya, no-Iziya, noMalikhiya, noMijamini, no-Eleyazare, noMalikhiya, noBenaya.

[26] Dos filhos de Elão: Matanias, Zacarias, Jeiel, Abdi, Jerimote e Elias.

[26]Kumadodana ka-Elamu: ngoMathaniya, noZakariya, noJehiyeli, no-Abidi, noJeremoti, no-Eliya.

[27] Dos filhos de Zatu: Elioenai, Eliasibe, Matanias, Jerimote, Zabade e Aziza.

[27]Kumadodana kaZathu: ngo-Eliyohenayi, no-Eliyashibi, noMathaniya, noJeremoti, noZabadi, no-Aziza.

[28] Dos filhos de Bebai: Joanã, Hananias, Zabai e Atlai.

[28]Kumadodana kaBebayi: ngoJehohanani, noHananiya, noZabayi, no-Atilayi.

[29] Dos filhos de Bani: Mesulão, Maluque, Adaías, Jasube, Seal e Jerimote.

[29]Kumadodana kaBani: ngoMeshulamu, noMaluki, no-Adaya, noJashubi, noSheyali, noJeremoti.

[30] Dos filhos de Paate-Moabe: Adna, Quelal, Benaia, Maaséias, Matanias, Bezalel, Binui e Manassés.

[30]Kumadodana kaPhahati Mowabi: ngo-Adina, noKhelali, noBenaya, noMahaseya, noMathaniya, noBesaleli, noBinuwi, noManase.

[31] Dos filhos de Harim: Eliézer, Issias, Malquias, Semaías, Simeão,

[31]Amadodana kaHarimi: o-Eliyezeri, noJishiya, noMalikhiya, noShemaya, noShimeyoni,

[32] Benjamim, Maluque e Semarias.

[32]noBenjamini, noMaluki, noShemariya.

[33] Dos filhos de Hasum: Matenai, Matatá, Zabade, Elifelete, Jeremai, Manassés e Simei.

[33]Kumadodana kaHashumi: ngoMathenayi, noMathatha, noZabadi, no-Elifeleti, noJeremayi, noManase, noShimeyi.

[34] Dos filhos de Bani: Maadai, Anrão, Uel,

[34]Kumadodana kaBani: ngoMahadayi, no-Amramu, no-Uweli,

[35] Benaia, Bedias, Queluí,

[35]noBenaya, noBedeya, noKeluhi,

[36] Vanias, Meremote, Eliasibe,

[36]noVaniya, noMeremoti, no-Eliyashibi,

[37] Matanias, Matenai, Jaasai,

[37]noMathaniya, noMathenayi, noJahasu,

[38] Bani, Binui, Simei,

[38]noBani, noBinuwi, noShimeyi,

[39] Selemias, Natã, Adaías,

[39]noShelemiya, noNathani, no-Adaya,

[40] Macnadbai, Sasai, Sarai,

[40]noMakenadebayi, noShashayi, noSharayi,

[41] Azarel, Selemias, Semarias,

[41]no-Azareli, noShelemiya, noShemariya,

[42] Salum, Amarias e José.

[42]noShalumi, no-Amariya, noJosefa.

[43] Dos filhos de Nebo: Jeiel, Matitias, Zabade, Zebina, Jadai, Joel e Benaia.

[44] Todos estes haviam tomado mulheres estrangeiras, alguns dos quais tinham filhos destas mulheres.

[43]Kumadodana kaNebo: ngoJehiyeli, noMatithiya, noZabadi, noSebina, no-Ido, noJoweli, noBenaya.

[44]Bonke labo babethathe abesifazane babezizwe; kwakukhona phakathi kwabo abesifazane ababezele abantwana.

O livro de Neemias

Neemias 1

Neemias ora por Jerusalém

1 As palavras de Neemias, filho de Hacalias. No mês de quisleu, no ano vigésimo, estando eu na cidadela de Susã,

2 veio Hanani, um de meus irmãos, com alguns de Judá; então, lhes perguntei pelos judeus que escaparam e que não foram levados para o exílio e acerca de Jerusalém.

3 Disseram-me: Os restantes, que não foram levados para o exílio e se acham lá na província, estão em grande miséria e desprezo; os muros de Jerusalém estão derribados, e as suas portas, queimadas.

4 Tendo eu ouvido estas palavras, assentei-me, e chorei, e lamentei por alguns dias; e estive jejuando e orando perante o Deus dos céus.

5 E disse: ah! SENHOR, Deus dos céus, Deus grande e temível, que guardas a aliança e a misericórdia para com aqueles que te amam e guardam os teus mandamentos!

6 Estejam, pois, atentos os teus ouvidos, e os teus olhos, abertos, para acudires à oração do teu servo, que hoje faço à tua presença, dia e noite, pelos filhos de Israel, teus servos; e faço confissão pelos pecados dos filhos de Israel, os quais temos cometido contra ti; pois eu e a casa de meu pai temos pecado.

UNehemiya

UNehemiya 1

Umkhuleko kaNehemiya ngabakwa-Israyeli

1 Amazwi kaNehemiya indodana kaHakaliya. Kwathi ngenyanga kaKhisilevi, ngomnyaka wamashumi amabili ngisendlini yenkosi yaseShushani,

2 kwafika uHanani omunye wabafowethu, yena nabantu bakwaJuda; ngababuza ngabaJuda ababesele besindile ekuthunjweni nangeJerusalema.

3 Bathi kimi: Insali eseleyo ekuthunjweni lapho ezweni isekuhluphekeni okukhulu nasehlazweni; ugange lwaseJerusalema lubhidliziwe, namasango alo ashisiwe ngomlilo.

4 Kwathi lapho ngizwa lawo mazwi, ngahlala phansi, ngakhala izinyembezi, ngalila izinsuku ezithile, ngazila ukudla, ngakhuleka phambi kukaNkulunkulu wezulu,

5 ngathi: Ngiyanxusa, Jehova Nkulunkulu wezulu, wena Nkulunkulu omkhulu nowesabekayo, ogcina isivumelwano nomusa nabakuthandayo nabagcina imiyalo yakho,

6 ukuba indlebe yakho ilalele, namehlo akho avuleke, ukuze uzwe umkhuleko wenceku yakho engiwukhuleka phambi kwakho ngalesi sikhathi imini nobusuku ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli izinceku zakho, lapho ngivuma izono zabantwana bakwa-Israyeli esone ngazo kuwe; yebo, nami nendlu kababa sonile.

[7] Temos procedido de todo corruptamente contra ti, não temos guardado os mandamentos, nem os estatutos, nem os juízos que ordenaste a Moisés, teu servo.

[8] Lembra-te da palavra que ordenaste a Moisés, teu servo, dizendo: Se transgredirdes, eu vos espalharei por entre os povos;

[9] mas, se vos converterdes a mim, e guardardes os meus mandamentos, e os cumprirdes, então, ainda que os vossos rejeitados estejam pelas extremidades do céu, de lá os ajuntarei e os trarei para o lugar que tenho escolhido para ali fazer habitar o meu nome.

[10] Estes ainda são teus servos e o teu povo que resgataste com teu grande poder e com tua mão poderosa.

[11] Ah! SENHOR, estejam, pois, atentos os teus ouvidos à oração do teu servo e à dos teus servos que se agradam de temer o teu nome; concede que seja bem sucedido hoje o teu servo e dá-lhe mercê perante este homem. Nesse tempo eu era copeiro do rei.

Neemias 2

Neemias mandado a Jerusalém

[1] No mês de nisã, no ano vigésimo do rei Artaxerxes, uma vez posto o vinho diante dele, eu o tomei para oferecer e lho dei; ora, eu nunca antes estivera triste diante dele.

[2] O rei me disse: Por que está triste o teu rosto, se não estás doente? Tem de ser

[7]Senzile kabi kakhulu kuwe, asigcinanga imiyalo, nezimiso, nezahlulelo owayala ngakho inceku yakho uMose.

[8] Ake ulikhumbule izwi owayala ngalo inceku yakho uMose ngokuthi: Uma niphambuka, mina ngiyakunihlakazela phakathi kwezizwe;

[9] kepha uma nibuyela kimi, nigcine imiyalo yami, niyenze, noma abaxoshiweyo benu bebe semajukujukwini ezulu, ngiyakubabutha lapho nokho, ngibayise endaweni engiyikhethe ukubeka igama lami kuyo.

[10] Bayizinceku zakho nabantu bakho obahlengile ngamandla akho amakhulu nangesandla sakho esiqinileyo.

[11]Ngicela, Nkosi, ukuba indlebe yakho izwe umkhuleko wenceku yakho nomkhuleko wezinceku zakho ezithokoza ngokwesaba igama lakho, uhlahlamelise inceku yakho namuhla, uyinike umusa emehlweni alo muntu. Bheka, ngangingumphathisitsha wenkosi.

UNehemiya 2

UNehemiya uvunyelwa ukuvusa izingange zaseJerusalema

[1]Kwathi ngenyanga kaNisani ngomnyaka wamashumi amabili ka-Aritahishashita inkosi, iwayini liphambi kwakhe, ngaliphakamisa iwayini, ngalinika inkosi. Ngangingazange ngibiphe phambi kwayo.

[2]Inkosi yathi kimi: Ubuso bakho bubipheleni, lokhu ungaguli, na? Lokhu

tristeza do coração. Então, temi sobremaneira

3 e lhe respondi: viva o rei para sempre! Como não me estaria triste o rosto se a cidade, onde estão os sepulcros de meus pais, está assolada e tem as portas consumidas pelo fogo?

4 Disse-me o rei: Que me pedes agora? Então, orei ao Deus dos céus

5 e disse ao rei: se é do agrado do rei, e se o teu servo acha mercê em tua presença, peço-te que me envies a Judá, à cidade dos sepulcros de meus pais, para que eu a reedifique.

6 Então, o rei, estando a rainha assentada junto dele, me disse: Quanto durará a tua ausência? Quando voltarás? Aprouve ao rei enviar-me, e marquei certo prazo.

7 E ainda disse ao rei: Se ao rei parece bem, dêem-se-me cartas para os governadores dalém do Eufrates, para que me permitam passar e entrar em Judá,

8 como também carta para Asafe, guarda das matas do rei, para que me dê madeira para as vigas das portas da cidadela do templo, para os muros da cidade e para a casa em que deverei alojar-me. E o rei mas deu, porque a boa mão do meu Deus era comigo.

9 Então, fui aos governadores dalém do Eufrates e lhes entreguei as cartas do rei; ora, o rei tinha enviado comigo oficiais do exército e cavaleiros.

kungukudabuka kwenhliziyo kuphela. Ngase ngesaba kakhulu.

3 Ngathi enkosini: Mayime njalo inkosi; ubuso bami bungebiphe ngani, lapho umuzi, indawo yamathuna awobaba, uchithekile namasango awo eshiswe ngomlilo, na?

4Yayisithi inkosi kimi: Ukhala ngani? Ngase ngikhuleka kuNkulunkulu wezulu.

5Ngathi enkosini: Uma kukuhle enkosini, uma inceku yakho ifumene umusa emehlweni akho, ungivumele ukuba ngiye kwaJuda emzini wamathuna awobaba ukuba ngiwuvuse.

6Inkosi yathi kimi, inkosikazi ihlezi eceleni kwayo: Uhambo lwakho luyakuba yisikhathi esingakanani, nokubuya kuyakuba nini na? Kwaba kuhle-ke enkosini ukuvuma ukuba ngihambe; ngayitshela isikhathi esithile.

7Futhi ngathi enkosini: Uma kukuhle enkosini, manginikwe izincwadi kubabusi phesheya koMfula, ukuze bavume ukuba ngidlule ngize ngifike kwaJuda,

8kanye nencwadi ku-Asafa umlindihlathi lenkosi ukuba anginike imithi yemishayo yamasango enqaba ehlangene nethempeli, neyongange lomuzi, neyendlu engiyakungena kuyo. Inkosi yanginika lokhu ngokwesandla esihle sikaNkulunkulu wami esasiphezu kwami.

9Ngase ngifika kubabusi phesheya koMfula, ngabanika izincwadi zenkosi. Inkosi yayithume nami izinduna zempi nabamahhashi.

[10] Disto ficaram sabendo Sambalate, o horonita, e Tobias, o servo amonita; e muito lhes desagradou que alguém viesse a procurar o bem dos filhos de Israel.

[10]Kepha lapho umHoroni, uSanibalati, noThobiya inceku yakwa-Amoni sebezwile lokho, kwaba kubi kakhulu kubo ukuthi kufike umuntu ukufuna inhlalakahle ka-Israyeli.

Neemias anima o povo a reedificar os muros

[11] Cheguei a Jerusalém, onde estive três dias.

[11]Ngase ngifika eJerusalema, ngahlala khona izinsuku ezintathu.

[12] Então, à noite me levantei, e uns poucos homens, comigo; não declarei a ninguém o que o meu Deus me pusera no coração para eu fazer em Jerusalém. Não havia comigo animal algum, senão o que eu montava.

[12]Ngavuka ebusuku, mina nabantu abathile abayingcosana; angitshelanga muntu lokho uNkulunkulu akubeke enhliziyweni yami ukuba ngikwenzele iJerusalema; futhi kwakungekho silwane nami ngaphandle kwesilwane engangikhwele kuso.

[13] De noite, saí pela Porta do Vale, para o lado da Fonte do Dragão e para a Porta do Monturo e contemplei os muros de Jerusalém, que estavam assolados, cujas portas tinham sido consumidas pelo fogo.

[13]Ngaphuma ngeSango Lesigodi ebusuku, ngaya eMthonjeni kaDrako naseSangweni Lomquba, ngabuka izingange zaseJerusalema ezazibhidliziwe namasango alo ayeshiswe ngomlilo.

[14] Passei à Porta da Fonte e ao açude do rei; mas não havia lugar por onde passasse o animal que eu montava.

[14]Ngase ngikhuphukela eSangweni Lomthombo naseChibini Lenkosi, kepha kwakungekho ndawo yokuba kudlule isilwane engangiphezu kwaso.

[15] Subi à noite pelo ribeiro e contemplei ainda os muros; voltei, entrei pela Porta do Vale e tornei para casa.

[15]Ngangikhuphula umfudlana ebusuku, ngabuka ugange, ngaphenduka, ngangena ngeSango Lesigodi, ngaphindela emuva.

[16] Não sabiam os magistrados aonde eu fora nem o que fazia, pois até aqui não havia eu declarado coisa alguma, nem aos judeus, nem aos sacerdotes, nem aos nobres, nem aos magistrados, nem aos mais que faziam a obra.

[16]Ababusi babengazi lapho ngangiye khona nengikwenzileyo; futhi ngangingakabatsheli abaJuda, nabapristi, nabakhulu, nababusi, nabanye ababewenza umsebenzi.

[17] Então, lhes disse: Estais vendo a miséria em que estamos, Jerusalém assolada, e as suas portas, queimadas; vinde, pois,

[17]Kepha ngase ngithi kubo: Niyayibona inhlupheko esikuyona, lokhu iJerusalema lichithekile namasango alo eshiswe

reedifiquemos os muros de Jerusalém e deixemos de ser opróbrio.

[18] E lhes declarei como a boa mão do meu Deus estivera comigo e também as palavras que o rei me falara. Então, disseram: Disponhamo-nos e edifiquemos. E fortaleceram as mãos para a boa obra.
[19] Porém Sambalate, o horonita, e Tobias, o servo amonita, e Gesém, o arábio, quando o souberam, zombaram de nós, e nos desprezaram, e disseram: Que é isso que fazeis? Quereis rebelar-vos contra o rei?

[20] Então, lhes respondi: o Deus dos céus é quem nos dará bom êxito; nós, seus servos, nos disporemos e reedificaremos; vós, todavia, não tendes parte, nem direito, nem memorial em Jerusalém.

Neemias 3

Os que trabalharam na reedificação dos muros

[1] Então, se dispôs Eliasibe, o sumo sacerdote, com os sacerdotes, seus irmãos, e reedificaram a Porta das Ovelhas; consagraram-na, assentaram-lhe as portas e continuaram a reconstrução até à Torre dos Cem e à Torre de Hananel.

[2] Junto a ele edificaram os homens de Jericó; também, ao seu lado, edificou Zacur, filho de Inri.
[3] Os filhos de Hassenaá edificaram a Porta do Peixe; colocaram-lhe as vigas e lhe

ngomlilo; wozani sivuse ugange lwaseJerusalema ukuba singabe sisaba yihlazo.
[18]Ngabatshela ngesandla sikaNkulunkulu wami esasisihle phezu kwami, nangamazwi enkosi eyayiwakhulume kimi. Bathi: Masisuke sakhe, beqinisela izandla zabo lowo msebenzi.
[19] Kepha lapho uSanebalati, umHoroni, noThobiya inceku yakwa-Amoni, noGeshemi wase-Arabiya bezwa lokho, basihleka usulu, basidelela, bathi: Yini lokhu enikwenzayo na? Niyakuyihlubuka inkosi na?
[20]Ngase ngibabuyisela amazwi, ngathi kubo: UNkulunkulu wezulu uyakusiphumelelisa; ngalokho thina zinceku zakhe siyakusuka sakhe, kepha nina aninasabelo, nalungelo, nasikhumbuzo eJerusalema.

UNehemiya 3

Izingange namasango aseJerusalema kuyalungiswa

[1] Kwasuka u-Eliyashibi umpristi omkhulu nabafowabo abapristi, balakha iSango Lezimvu, balingcwelisa, bamisa izivalo zalo, yebo, kwaze kwaba naseMbhoshongweni KaHameya ababewungcwelisa, kwaze kwaba naseMbhoshongweni KaHananeli.
[2]Eceleni kwakhe kwakha abantu baseJeriko, naseceleni kwabo kwakha uZakuri indodana ka-Imri.
[3]ISango Lezinhlanzi lakhiwa ngamadodana kaHasenawa; abeka

assentaram as portas com seus ferrolhos e trancas.

4 Ao seu lado, reparou Meremote, filho de Urias, filho de Coz; junto deste reparou Mesulão, filho de Berequias, filho de Mesezabel, a cujo lado reparou Zadoque, filho de Baaná.

5 Ao lado destes, repararam os tecoítas; os seus nobres, porém, não se sujeitaram ao serviço do seu senhor.

6 Joiada, filho de Paséia, e Mesulão, filho de Besodias, repararam a Porta Velha; colocaram-lhe as vigas e lhe assentaram as portas com seus ferrolhos e trancas.

7 Junto deles, trabalharam Melatias, gibeonita, e Jadom, meronotita, homens de Gibeão e de Mispa, que pertenciam ao domínio do governador de além do Eufrates.

8 Ao seu lado, reparou Uziel, filho de Haraías, um dos ourives; junto dele, Hananias, um dos perfumistas; e restauraram Jerusalém até ao Muro Largo.

9 Junto a estes, trabalhou Refaías, filho de Hur, maioral da metade de Jerusalém.

10 Ao seu lado, reparou Jedaías, filho de Harumafe, defronte da sua casa; e, ao seu lado, reparou Hatus, filho de Hasabnéias.

imishayo yalo, bamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo.

4Eceleni kwabo kwalungisa uMeremoti, indodana ka-Uriya kaHakhosi. Eceleni kwabo kwalungisa uMeshulamu indodana kaBerekiya kaMeshezabeli. Eceleni kwabo kwalungisa uSadoki indodana kaBahana.

5Eceleni kwabo kwalungisa abaseThekhowa, kepha abakhulu babo abafakanga izintamo zabo emsebenzini wenkosi yabo.

6ISango Elidala lalungiswa nguJoyada indodana kaPhaseya nanguMeshulamu indodana kaBesodeya, babeka imishayo yalo, bamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo.

7Eceleni kwabo kwalungisa uMelathiya waseGibeyoni, noJadoni waseMeronoti, amadoda aseGibeyoni naseMispa, phansi kwesihlalo sombusi phesheya koMfula.

8Eceleni kwabo kwalungisa u-Uziyeli indodana kaHarihaya wabakhandi begolide. Eceleni kwakhe kwalungisa uHananiya wabathaki. Baliyeka iJerusalema kwaze kwaba soGangeni Olubanzi.

9Eceleni kwabo kwalungisa uRefaya indodana kaHure, umbusi wenxenye yesifunda saseJerusalema.

10Eceleni kwakhe kwalungisa uJedaya indodana kaHarumafi malungana nendlu yakhe. Eceleni kwakhe kwalungisa uHathushi indodana kaHashabineya.

[11] A outra parte reparou Malquias, filho de Harim, e Hassube, filho de Paate-Moabe, como também a Torre dos Fornos.

[12] Ao lado dele, reparou Salum, filho de Haloés, maioral da outra meia parte de Jerusalém, ele e suas filhas.

[13] A Porta do Vale, reparou-a Hanum e os moradores de Zanoa; edificaram-na e lhe assentaram as portas com seus ferrolhos e trancas e ainda mil côvados da muralha, até à Porta do Monturo.

[14] A Porta do Monturo, reparou-a Malquias, filho de Recabe, maioral do distrito de Bete-Haquerém; ele a edificou e lhe assentou as portas com seus ferrolhos e trancas.

[15] A Porta da Fonte, reparou-a Salum, filho de Col-Hozé, maioral do distrito de Mispa; ele a edificou, e a cobriu, e lhe assentou as portas com seus ferrolhos e trancas, e ainda o muro do açude de Selá, junto ao jardim do rei, até aos degraus que descem da Cidade de Davi.

[16] Depois dele, reparou Neemias, filho de Azbuque, maioral da metade do distrito de Bete-Zur, até defronte dos sepulcros de Davi, até ao açude artificial e até à casa dos heróis.

[17] Depois dele, repararam os levitas, Reum, filho de Bani, e, ao seu lado,

[11]UMalikhiya, indodana kaHarimi, noHashubi, indodana kaPhahati Mowabi, balungisa elinye ibanga noMbhoshongo Wamaziko.

[12]Eceleni kwabo kwalungisa uShalumi indodana kaHaloheshi, umbusi wenxenye yesifunda saseJerusalema, yena namadodakazi akhe.

[13]ISango Lesigodi lalungiswa nguHanuni nabakhe eZanowa; balakha, bamisa izivalo zalo nezihluthelelo zalo nemigoqo yalo, nezingalo eziyinkulungwane zogange kwaze kwaba seSangweni Lomquba.

[14]ISango Lomquba lalungiswa nguMalikhiya, indodana kaRekabi, umbusi wesifunda saseBeti Hakeremi; walakha, wamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo.

[15]ISango Lomthombo lalungiswa nguShaluni, indodana kaKholi Hoze, umbusi wesifunda saseMispa; walakha, walifulela, wamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo, nogange lwaseChibini laseShela ngasensimini yenkosi, kwaze kwaba sezikhwelweni ezehla emzini kaDavide.

[16]Emva kwakhe kwalungisa uNehemiya indodana ka-Azibuki, umbusi wenxenye yesifunda saseBeti Suri, kwaze kwaba sendaweni malungana namathuna kaDavide, nasechibini elimbiweyo, naseNdlini Yamaqhawe.

[17]Emva kwakhe kwalungisa amaLevi, uRehumi indodana kaBani. Eceleni

Hasabias, maioral da metade do distrito de Queila.

kwakhe kwalungisa uHashabiya, umbusi wenxenye yesifunda saseKeyila esifundeni sakhe.

[18] Depois dele, repararam seus irmãos: Bavai, filho de Henadade, maioral da metade do distrito de Queila;

[18]Emva kwakhe kwalungisa abafowabo, uBavayi indodana kaHenadadi, umbusi wenxenye yesifunda saseKeyila.

[19] ao seu lado, reparou Ezer, filho de Jesua, maioral de Mispa, outra parte defronte da subida para a casa das armas, no ângulo do muro.

[19]Eceleni kwakhe kwalungisa u-Ezeri indodana kaJeshuwa, umbusi waseMispa, elinye ibanga malungana nommango oya endlini yezikhali eNqutshini.

[20] Depois dele, reparou com grande ardor Baruque, filho de Zabai, outra porção, desde o ângulo do muro até à porta da casa de Eliasibe, o sumo sacerdote.

[20]Emva kwakhe kwalungisa nokulungisa uBaruki indodana kaZabayi elinye ibanga, kusukela eNqutshini kuze kube semnyango wendlu ka-Eliyashibi umpristi omkhulu.

[21] Depois dele, reparou Meremote, filho de Urias, filho de Coz, outra porção, desde a porta da casa de Eliasibe até à extremidade da casa de Eliasibe.

[21]Emva kwakhe kwalungisa uMeremoti, indodana ka-Uriya kaHakhosi, elinye ibanga, kusukela emnyango wendlu ka-Eliyashibi kuze kube sekugcineni kwendlu ka-Eliyashibi.

[22] Depois dele, repararam os sacerdotes que habitavam na campina.

[22]Emva kwakhe kwalungisa abapristi, abantu basethafeni.

[23] Depois, repararam Benjamim e Hassube, defronte da sua casa; depois deles, reparou Azarias, filho de Maaséias, filho de Ananias, junto à sua casa.

[23]Emva kwabo kwalungisa oBenjamini noHashubi malungana nendlu yabo. Emva kwabo kwalungisa u-Azariya indodana kaMahaseya ka-Ananiya eceleni kwendlu yakhe.

[24] Depois dele, reparou Binui, filho de Henadade, outra porção, desde a casa de Azarias até ao ângulo e até à esquina.

[24]Emva kwakhe kwalungisa uBinuwi indodana kaHenadadi elinye ibanga, kusukela endlini ka-Azariya kuze kube seNqutshini, kuze kube naseGumbini.

[25] Palal, filho de Uzai, reparou defronte do ângulo e da torre que sai da casa real superior, que está junto ao pátio do

[25] UPhalali, indodana ka-Uzayi, wayemalungana neNqubu nombhoshongo ophumeleleyo endlini yenkosi engasenhla

cárcere; depois dele, reparou Pedaías, filho de Parós,

26 e os servos do templo que habitavam em Ofel, até defronte da Porta das Águas, para o oriente, e até à torre alta.

27 Depois, repararam os tecoítas outra porção, defronte da torre grande e alta, e até ao Muro de Ofel.

28 Para cima da Porta dos Cavalos, repararam os sacerdotes, cada um defronte da sua casa.

29 Depois deles, reparou Zadoque, filho de Imer, defronte de sua casa; e, depois dele, Semaías, filho de Secanias, guarda da Porta Oriental.

30 Depois dele, reparou Hananias, filho de Selemias, e Hanum, o sexto filho de Zalafe, outra porção; depois deles, reparou Mesulão, filho de Berequias, defronte da sua morada.

31 Depois dele, reparou Malquias, filho de um ourives, até à casa dos servos do templo e dos mercadores, defronte da Porta da Guarda, até ao eirado da esquina.

32 Entre o eirado da esquina e a Porta das Ovelhas, repararam os ourives e os mercadores.

Neemias 4

ngasegcekeni letilongo. Emva kwakhe nguPhedaya indodana kaPharoshi.

26AmaNethini ayehlezi e-Ofeli kwaze kwaba sendaweni malungana neSango Lamanzi ngasempumalanga nombhoshongo ophumeleleyo.

27Emva kwakhe kwalungisa abaseThekhowa elinye ibanga malungana nombhoshongo omkhulu ophumeleleyo kwaze kwaba sogangeni lwase-Ofeli.

28Phezu kweSango Lehhashi kwalungisa abapristi, kwaba yilowo nalowo malungana nendlu yakhe.

29Emva kwabo kwalungisa uSadoki indodana ka-Imeri malungana nendlu yakhe. Emva kwakhe kwalungisa uShemaya indodana kaShekaniya, umlindi weSango langaseMpumalanga.

30Emva kwakhe kwalungisa uHananiya, indodana kaShelemiya, noHanuni, indodana yesithupha kaSalfi, elinye ibanga. Emva kwakhe kwalungisa uMeshulamu indodana kaBerekiya malungana nekamelo lakhe.

31Emva kwakhe kwalungisa uMalikhiya, omunye wabakhandi begolide, kwaze kwaba sendlini yamaNethini neyabathengi malungana neSango Lokubala, kwaze kwaba nasekamelweni eliphezulu laseGumbini.

32Phakathi kwekamelo eliphezulu laseGumbini neSango Lezimvu kwalungisa abakhandi begolide nabathengi.

UNehemiya 4

A defesa contra os adversários

[1] Tendo Sambalate ouvido que edificávamos o muro, ardeu em ira, e se indignou muito, e escarneceu dos judeus.

[2] Então, falou na presença de seus irmãos e do exército de Samaria e disse: Que fazem estes fracos judeus? Permitir-se-lhes-á isso? Sacrificarão? Darão cabo da obra num só dia? Renascerão, acaso, dos montões de pó as pedras que foram queimadas?

[3] Estava com ele Tobias, o amonita, e disse: Ainda que edifiquem, vindo uma raposa, derribará o seu muro de pedra.

[4] Ouve, ó nosso Deus, pois estamos sendo desprezados; caia o seu opróbrio sobre a cabeça deles, e faze que sejam despojo numa terra de cativeiro.

[5] Não lhes encubras a iniqüidade, e não se risque de diante de ti o seu pecado, pois te provocaram à ira, na presença dos que edificavam.

[6] Assim, edificamos o muro, e todo o muro se fechou até a metade de sua altura; porque o povo tinha ânimo para trabalhar.

[7] Mas, ouvindo Sambalate e Tobias, os arábios, os amonitas e os asdoditas que a reparação dos muros de Jerusalém ia avante e que já se começavam a fechar-lhe as brechas, ficaram sobremodo irados.

Izitha ziyabahlupha abakhayo

[1] Kepha kwathi lapho uSanibalati esezwile ukuthi sabe siluvusa ugange, wathukuthela, wavutha ulaka, waklolodela abaJuda.

[2]Wakhuluma phambi kwabafowabo nempi yaseSamariya, wathi: Benzani laba baJuda abangenamandla na? Bayekwe bebodwa na? Bahlabe yini? Bakuqede ngosuku na? Bavuse amatshe emfuthumfuthwini yamabibi lokhu eshisiwe na?

[3]UThobiya wakwa-Amoni wayengakuye, wathi: Yebo, nalokho abakwakhayo, uma kukhuphuka impungushe, iyakulubhidliza ugange lwamatshe abo.

[4]Ngase ngikhuleka ngathi: Yizwa, Nkulunkulu wethu, ngokuba sidelelekile, ubuyisele inhlamba yabo phezu kwamakhanda abo, ubanikele ukuba baphangwe ezweni lokuthunjwa;

[5]ungalisibekeli icala labo, masingesulwa isono sabo phambi kwakho, ngokuba bakucunulile ngaphambi kwabakhi.

[6]Sase sivusa-ke ugange; lonke ugange lwahlanganiswa kwaze kwagamanxa, ngokuba abantu babenenhliziyo yokusebenza.

[7]Kepha kwathi oSanibalati, noThobiya, nabase-Arabiya, nabakwa-Amoni, nabase-Ashidodi sebezwa ukuthi ukulungiswa kwezingange zaseJerusalema kuyaqhubeka, nokuthi izimfa seziqale ukuvalwa, bathukuthela kakhulu,

[8] Ajuntaram-se todos de comum acordo para virem atacar Jerusalém e suscitar confusão ali.

[9] Porém nós oramos ao nosso Deus e, como proteção, pusemos guarda contra eles, de dia e de noite.

[10] Então, disse Judá: Já desfaleceram as forças dos carregadores, e os escombros são muitos; de maneira que não podemos edificar o muro.

[11] Disseram, porém, os nossos inimigos: Nada saberão disto, nem verão, até que entremos no meio deles e os matemos; assim, faremos cessar a obra.

[12] Quando os judeus que habitavam na vizinhança deles, dez vezes, nos disseram: De todos os lugares onde moram, subirão contra nós,

[13] então, pus o povo, por famílias, nos lugares baixos e abertos, por detrás do muro, com as suas espadas, e as suas lanças, e os seus arcos;

[14] inspecionei, dispus-me e disse aos nobres, aos magistrados e ao resto do povo: não os temais; lembrai-vos do SENHOR, grande e temível, e pelejai pelos vossos irmãos, vossos filhos, vossas filhas, vossa mulher e vossa casa.

[15] E sucedeu que, ouvindo os nossos inimigos que já o sabíamos e que Deus tinha frustrado o desígnio deles, voltamos todos nós ao muro, cada um à sua obra.

[16] Daquele dia em diante, metade dos meus moços trabalhava na obra, e a outra

[8]benza ugobe ukuba baye ukulwa neJerusalema, balilimaze.

[9]Kepha sakhuleka kuNkulunkulu wethu, sabamisela abalindi imini nobusuku ngenxa yabo.

[10]UJuda wathi: Amandla abathwalayo aphelile; amabibi maningi; asisenakuluvusa ugange.

[11]Abamelene nathi bathi: Abayikwazi, abayikubona size sifike phakathi kwabo, sibabulale, sivimbe umsebenzi.

[12]Kwathi lapho abaJuda ababehlala eceleni kwabo sebefika, bathi kithi kayishumi, bevela ezindaweni zonke: Buyelani kithi.

[13]Ngase ngimisa ngenzansi ezindaweni ezisemva kogange nakwezisobala abantu ngemindeni yabo, benezinkemba zabo, nemikhonto yabo, neminsalo yabo.

[14] Lapho sengibhekile, ngasuka ngathi kwabakhulu nakubabusi nakwabanye abantu: Ningabesabi; khumbulani iNkosi enkulu neyesabekayo, nilwele abafowenu, namadodana enu, namadodakazi enu, nawomkenu, nezindlu zenu.

[15]Kwathi izitha zethu sezizwile ukuthi kwazeke kithi nokuthi uNkulunkulu wayeshafisile icebo labo, sabuyela sonke ogangeni, kwaba yilowo nalowo emsebenzini wakhe.

[16]Kusukela kulolo suku inxenye yezinceku zami yasebenza emisebenzini, nenxenye

metade empunhava lanças, escudos, arcos e couraças; e os chefes estavam por detrás de toda a casa de Judá;

yazo yaphatha imikhonto, nezihlangu, neminsalo, namabhantshi ensimbi; ababusi babe semva kwendlu yonke yakwaJuda.

[17] os carregadores, que por si mesmos tomavam as cargas, cada um com uma das mãos fazia a obra e com a outra segurava a arma.

[17]Abavusayo ugange nabathwalayo imithwalo bazithwesa benza umsebenzi ngesinye isandla, nangesinye baphatha izikhali zabo;

[18] Os edificadores, cada um trazia a sua espada à cinta, e assim edificavam; o que tocava a trombeta estava junto de mim.

[18]nabakhi bonke babe nenkemba ibhincwe ezinkalweni zabo, bakha kanjalo. Owabetha icilongo wayengaseceleni kwami.

[19] Disse eu aos nobres, aos magistrados e ao resto do povo: Grande e extensa é a obra, e nós estamos no muro mui separados, longe uns dos outros.

[19]Ngokuba ngangithe kwabakhulu nakubabusi nakwabanye abantu: Umsebenzi mkhulu, ubanzi, sahlukene ogangeni, omunye ukude nomunye.

[20] No lugar em que ouvirdes o som da trombeta, para ali acorrei a ter conosco; o nosso Deus pelejará por nós.

[20] Noma kuyiphi indawo lapho nizwa khona ukubethwa kwecilongo, buthanani khona, nize kithi; uNkulunkulu wethu uyakusilwela.

[21] Assim trabalhávamos na obra; e metade empunhava as lanças desde o raiar do dia até ao sair das estrelas.

[21]Sase senza nathi umsebenzi wethu, inxenye iphethe imikhonto, kusukela ekuqaleni kokusa kuze kuphume izinkanyezi.

[22] Também nesse mesmo tempo disse eu ao povo: Cada um com o seu moço fique em Jerusalém, para que de noite nos sirvam de guarda e de dia trabalhem.

[22]Kanjalo ngaleso sikhathi ngathi kubantu: Yilowo nalowo kahlale nenceku yakhe phakathi kweJerusalema ukuba zibe ngabalindi bethu ebusuku, zisebenze emini.

[23] Nem eu, nem meus irmãos, nem meus moços, nem os homens da guarda que me seguiam largávamos as nossas vestes; cada um se deitava com as armas à sua direita.

[23]Mina nabafowethu, nezinceku zami, nabalindi abangilandelayo, kwakungekho kithi owakhumula izingubo zakhe; yilowo nalowo wayenesikhali esandleni sakhe.

Neemias 5

Medidas contra a usura

UNehemiya 5

UNehemiya usiza abampofu

[1] Foi grande, porém, o clamor do povo e de suas mulheres contra os judeus, seus irmãos.

[2] Porque havia os que diziam: Somos muitos, nós, nossos filhos e nossas filhas; que se nos dê trigo, para que comamos e vivamos.

[3] Também houve os que diziam: As nossas terras, as nossas vinhas e as nossas casas hipotecamos para tomarmos trigo nesta fome.

[4] Houve ainda os que diziam: Tomamos dinheiro emprestado até para o tributo do rei, sobre as nossas terras e as nossas vinhas.

[5] No entanto, nós somos da mesma carne como eles, e nossos filhos são tão bons como os deles; e eis que sujeitamos nossos filhos e nossas filhas para serem escravos, algumas de nossas filhas já estão reduzidas à escravidão. Não está em nosso poder evitá-lo; pois os nossos campos e as nossas vinhas já são de outros.

[6] Ouvindo eu, pois, o seu clamor e estas palavras, muito me aborreci.

[7] Depois de ter considerado comigo mesmo, repreendi os nobres e magistrados e lhes disse: Sois usurários, cada um para com seu irmão; e convoquei contra eles um grande ajuntamento.

[8] Disse-lhes: nós resgatamos os judeus, nossos irmãos, que foram vendidos às gentes, segundo nossas posses; e vós outra vez negociaríeis vossos irmãos, para que sejam vendidos a nós?

[1]Kwaba khona ukukhala okukhulu kwabantu nawomkabo ngabafowabo abaJuda.

[2]Ngokuba babekhona abathi: Thina namadodana ethu namadodakazi ethu sibaningi; masithole amabele ukuba sidle, siphile.

[3]Babe khona nabathi: Sibambisile ngamasimu ethu, nangezivini zethu, nangezindlu zethu; masithole amabele ngenxa yendlala.

[4]Babe khona nabathi: Sitshelekile imali yokuthela enkosini ngamasimu ethu nangezivini zethu.

[5]Nokho inyama yethu injengenyama yabafowethu, abantwana bethu banjengabantwana babo; bheka, sithobisa amadodana ethu namadodakazi ethu, abe yizigqila; amanye amadodakazi ethu asethotshisiwe; futhi awakho amandla ezandleni zethu, ngokuba amasimu ethu nezivini zethu sekungokwabanye.

[6]Ngathukuthela kakhulu lapho ngizwa ukukhala kwabo nalawo mazwi.

[7] Inhliziyo yami isicabangile, ngathethisana nabakhulu nababusi, ngathi kubo: Nina nonke nibiza inzalo omunye komunye. Ngase ngibiza ibandla elikhulu ngabo.

[8]Ngathi kubo: Thina njengamandla esinawo sihlengile abafowethu abaJuda ababethengiselwe abezizwe; seniyakuthengisa ngabafowenu,

bathengiselwe kithi, na? Bathula, abafumananga zwi.

[9] Então, se calaram e não acharam o que responder. Disse mais: não é bom o que fazeis; porventura não devíeis andar no temor do nosso Deus, por causa do opróbrio dos gentios, os nossos inimigos?

[9] Ngathi futhi: Akukuhle enikwenzayo; beningehambe yini ngokwesaba uNkulunkulu wethu ngenxa yokuthukwa kwethu ngabezizwe, izitha zethu, na?

[10] Também eu, meus irmãos e meus moços lhes demos dinheiro emprestado e trigo. Demos de mão a esse empréstimo.

[10]Nami nabafowethu nezinceku zethu sibatsheleke imali namabele. Ake siyeke ukubiza le nzalo.

[11] Restituí-lhes hoje, vos peço, as suas terras, as suas vinhas, os seus olivais e as suas casas, como também o centésimo do dinheiro, do trigo, do vinho e do azeite, que exigistes deles.

[11]Ake nibuyisele namhlanje amasimu abo, nezivini zabo, neminqumo yabo, nezindlu zabo, nenxenye yekhulu yemali, neyamabele, neyewayini, neyamafutha enikubiza kubo kube yinzalo.

[12] Então, responderam: Restituir-lhes-emos e nada lhes pediremos; faremos assim como dizes. Então, chamei os sacerdotes e os fiz jurar que fariam segundo prometeram.

[12]Base bethi: Sizakubuyisela kubo, singabizi lutho kubo; sizakwenza njengokusho kwakho. Ngase ngibiza abapristi, ngabafungisa ukuba benze njengalelo zwi.

O bom exemplo de Neemias

[13] Também sacudi o meu regaço e disse: Assim o faça Deus, sacuda de sua casa e de seu trabalho a todo homem que não cumprir esta promessa; seja sacudido e despojado. E toda a congregação respondeu: Amém! E louvaram o SENHOR; e o povo fez segundo a sua promessa.

[13]Ngavuthulula ingubo yami, ngathi: UNkulunkulu makavuthulule kanjalo bonke abantu abangagcini leli zwi ezindlini zabo nasemfuyweni yabo; mabavuthululwe kanjalo, babe yize. Lonke ibandla lathi: Amen, ladumisa uJehova. Abantu base benza njengalelo zwi.

[14] Também desde o dia em que fui nomeado seu governador na terra de Judá, desde o vigésimo ano até ao trigésimo segundo ano do rei Artaxerxes, doze anos, nem eu nem meus irmãos comemos o pão devido ao governador.

[14]Futhi kusukela osukwini engamiswa ngalo ukuba ngibe ngumbusi wabo ezweni lakwaJuda, kwasemnyakeni wamashumi amabili kuze kube semnyakeni wamashumi amathathu nambili ka-Aritahishashita inkosi, iminyaka eyishumi

[15] Mas os primeiros governadores, que foram antes de mim, oprimiram o povo e lhe tomaram pão e vinho, além de quarenta siclos de prata; até os seus moços dominavam sobre o povo, porém eu assim não fiz, por causa do temor de Deus.

[16] Antes, também na obra deste muro fiz reparação, e terra nenhuma compramos; e todos os meus moços se ajuntaram ali para a obra.

[17] Também cento e cinqüenta homens dos judeus e dos magistrados e os que vinham a nós, dentre as gentes que estavam ao nosso redor, eram meus hóspedes.

[18] O que se preparava para cada dia era um boi e seis ovelhas escolhidas; também à minha custa eram preparadas aves e, de dez em dez dias, muito vinho de todas as espécies; nem por isso exigi o pão devido ao governador, porquanto a servidão deste povo era grande.

[19] Lembra-te de mim para meu bem, ó meu Deus, e de tudo quanto fiz a este povo.

Neemias 6

Os inimigos conspiram para intimidar Neemias

[1] Tendo ouvido Sambalate, Tobias, Gesém, o arábio, e o resto dos nossos inimigos que eu tinha edificado o muro e que nele já não havia brecha nenhuma, ainda que até este tempo não tinha posto as portas nos portais,

nabili, mina nabafowethu asidlanga isinkwa sombusi.

[15]Kepha ababusi bokuqala ababe phambi kwami babebathwesile abantu, bathatha kubo isinkwa newayini kanye namashekeli angamashumi amane esiliva; nezinceku zachachaza phezu kwabantu; kepha mina angenzanga kanjalo ngenxa yokumesaba uNkulunkulu.

[16] Phezu kwalokho ngabambelela emsebenzini wogange, asithenganga zwe; zonke izinceku zami zabuthana khona emsebenzini.

[17]AbaJuda nababusi, abantu abayikhulu namashumi ayisihlanu, badla etafuleni lami, kanye nabafika kithi bevela kwabezizwe abasizungezayo.

[18]Okwalungiselwa usuku lwaba lunye nje kwakuyinkabi nezimvu eziyisithupha ezikhethekileyo; ngalungiselwa nezinyoni newayini eliningi lezinhlobo zonke kanye ngezinsuku eziyishumi; nokho angicelanga isinkwa sombusi, ngokuba ubugqila babusinda phezu kwalaba bantu.

[19] Ngikhumbulele, Nkulunkulu wami, ngenxa yakho konke engikwenzele laba bantu, kube kuhle kimi.

UNehemiya 6

Amacebo ezitha ngoNehemiya

[1] Kwathi lapho oSanibalati, noThobiya, noGeshemi wase-Arabiya, nezinye izitha sebezwile ukuthi ngivusile ugange nokuthi akusasele sikhala, noma ngaleso sikhathi ngangingakamisi izivalo emasangweni,

[2] Sambalate e Gesém mandaram dizer-me: Vem, encontremo-nos, nas aldeias, no vale de Ono. Porém intentavam fazer-me mal.

[3] Enviei-lhes mensageiros a dizer: Estou fazendo grande obra, de modo que não poderei descer; por que cessaria a obra, enquanto eu a deixasse e fosse ter convosco?

[4] Quatro vezes me enviaram o mesmo pedido; eu, porém, lhes dei sempre a mesma resposta.

[5] Então, Sambalate me enviou pela quinta vez o seu moço, o qual trazia na mão uma carta aberta,

[6] do teor seguinte: Entre as gentes se ouviu, e Gesém diz que tu e os judeus intentais revoltar-vos; por isso, reedificas o muro, e, segundo se diz, queres ser o rei deles,

[7] e puseste profetas para falarem a teu respeito em Jerusalém, dizendo: Este é rei em Judá. Ora, o rei ouvirá isso, segundo essas palavras. Vem, pois, agora, e consultemos juntamente.

[8] Mandei dizer-lhe: De tudo o que dizes coisa nenhuma sucedeu; tu, do teu coração, é que o inventas.

[9] Porque todos eles procuravam atemorizar-nos, dizendo: As suas mãos largarão a obra, e não se efetuará. Agora, pois, ó Deus, fortalece as minhas mãos.

[10] Tendo eu ido à casa de Semaías, filho de Delaías, filho de Meetabel (que estava

[2]oSanibalati noGeshemi bathumela kimi, bathi: Woza sihlangane komunye wemizana yasethafeni lase-Ono. Babehlose ukwenza okubi kimi.

[3]Ngathuma izithunywa kubo, ngathi: Ngisebenza umsebenzi omkhulu, anginakwehla; umsebenzi ubuyakumelani, ngiwuyeke, ngehlele kini, na?

[4]Bathumela kane kimi ngaleyo ndlela; ngabaphendula ngokunjalo.

[5]USanibalati wayesethuma inceku yakhe kimi kanjalo ngokwesihlanu, iphethe incwadi evulekileyo esandleni sayo.

[6]Kwakulotshwe kuyo ukuthi: Kuzwakele ezizweni, naye uGashimu uthi wena nabaJuda nihlose ukuhlubuka, okungalokho uvusa ugange, ube yinkosi yabo; yebo, anjalo amazwi.

[7]Futhi ubekile abaprofethi ukuba bashumayele ngawe eJerusalema ukuthi uyinkosi kwaJuda. Njengokuba lawo mazwi eyakuzwakala enkosini, mawuze, silulekane.

[8]Ngase ngithumela kuye, ngathi: Azikho izinto ezinjengalezo ozishoyo; ziqanjwe nguwe enhliziyweni yakho.

[9]Ngokuba bonke babesethusa bethi: Izandla zabo ziyakudangala emsebenzini ukuba ungenziwa. Ngase ngikhuleka ngathi: Kepha manje, Nkosi, qinisa izandla zami.

[10]Ngase ngiya endlini kaShemaya indodana kaDelaya kaMehetabeli

encerrado), disse ele: Vamos juntamente à Casa de Deus, ao meio do templo, e fechemos as portas do templo; porque virão matar-te; aliás, de noite virão matar-te.

11 Porém eu disse: homem como eu fugiria? E quem há, como eu, que entre no templo para que viva? De maneira nenhuma entrarei.

12 Então, percebi que não era Deus quem o enviara; tal profecia falou ele contra mim, porque Tobias e Sambalate o subornaram.

13 Para isto o subornaram, para me atemorizar, e para que eu, assim, viesse a proceder e a pecar, para que tivessem motivo de me infamar e me vituperassem.

14 Lembra-te, meu Deus, de Tobias e de Sambalate, no tocante a estas suas obras, e também da profetisa Noadia e dos mais profetas que procuraram atemorizar-me.

Terminada a reconstrução do muro

15 Acabou-se, pois, o muro aos vinte e cinco dias do mês de elul, em cinqüenta e dois dias.

16 Sucedeu que, ouvindo-o todos os nossos inimigos, temeram todos os gentios nossos circunvizinhos e decaíram muito no seu próprio conceito; porque reconheceram que por intervenção de nosso Deus é que fizemos esta obra.

17 Também naqueles dias alguns nobres de Judá escreveram muitas cartas, que iam

owayezivalele. Wathi: Masihlangane endlini kaNkulunkulu phakathi kwethempeli, sivale iminyango yethempeli, ngokuba bayakufika ukukubulala, yebo, ebusuku bayakufika bakubulale.

11 Ngathi: Umuntu onjengami abaleke na? Ngubani onjengami ongangena ethempelini, aphile, na? Angingeni.

12Ngaqonda ukuthi uNkulunkulu wayengamthumile, kepha wakhuluma leso siprofetho ngami eqashiwe ngoThobiya noSanibalati.

13Wayeqashelwe lokhu kokuba ngesabe, ngenze kanjalo, ngone, babe nombiko omubi, bangijivaze.

14 Ngakhuleka ngathi: Khumbula, Nkulunkulu wami, oThobiya noSanibalati ngalezo zenzo zabo, nomprofethikazi uNohadiya, nabanye abaprofethi, ababengesabisa.

Ukuphela kogange

15Ugange lwaphela ngolwamashumi amabili nanhlanu lwenyanga ka-Eluli ngezinsuku ezingamashumi ayisihlanu nambili.

16Kwathi lapho zonke izitha zikuzwa lokho, abezizwe bonke abasizungezayo, besaba, bayetha, ngokuba baqonda ukuthi lowo msebenzi wawenziwe nguNkulunkulu wethu.

17Phezu kwalokho abakhulu bakwaJuda bathuma ngalezo zinsuku izincwadi

para Tobias, e cartas de Tobias vinham para eles.

[18] Pois muitos em Judá lhe eram ajuramentados porque era genro de Secanias, filho de Ará; e seu filho Joanã se casara com a filha de Mesulão, filho de Berequias.

[19] Também das suas boas ações falavam na minha presença, e as minhas palavras lhe levavam a ele; Tobias escrevia cartas para me atemorizar.

eziningi kuThobiya, nezikaThobiya zafika kubo.

[18] Ngokuba abaningi bakwaJuda babefungile kubo, ngokuba wayengumkhwenyana kaShekaniya indodana ka-Ara; indodana uJehohanani yayithathile indodakazi kaMeshulamu indodana kaBerekiya.

[19]Bakhuluma ngezenzo zakhe ezinhle phambi kwami, bamukisa kuye amazwi ami. UThobiya wathuma izincwadi ukungesabisa.

Neemias 7

Neemias estabelece guardas em Jerusalém

[1] Ora, uma vez reedificado o muro e assentadas as portas, estabelecidos os porteiros, os cantores e os levitas,

[2] eu nomeei Hanani, meu irmão, e Hananias, maioral do castelo, sobre Jerusalém. Hananias era homem fiel e temente a Deus, mais do que muitos outros.

[3] E lhes disse: não se abram as portas de Jerusalém até que o sol aqueça e, enquanto os guardas ainda estão ali, que se fechem as portas e se tranquem; ponham-se guardas dos moradores de Jerusalém, cada um no seu posto diante de sua casa.

[4] A cidade era espaçosa e grande, mas havia pouca gente nela, e as casas não estavam edificadas ainda.

A relação dos que voltaram a Jerusalém

Esdras 2.1-70

UNehemiya 7

Ukumiswa kwabalindi

[1]Kwathi lapho ugange selwakhiwe, sengimisile izivalo, futhi kubekiwe abalindisango nabahlabeleli namaLevi,

[2]ngayaleza uHanani umfowethu noHananiya induna yendlu yenkosi ukuba baphathe iJerusalema, ngokuba wayengumuntu othembekileyo, wamesaba uNkulunkulu kunabaningi.

[3]Ngathi kubo: Amasango aseJerusalema mawangavulwa lize lishise ilanga; besemi, mabavale izivalo, baziqinise; bekani abalindi kwabakhileyo eJerusalema, kube yilowo nalowo emlindweni wakhe, yilowo abe malungana nendlu yakhe.

[4]Umuzi wawubanzi nxazombili; wawumkhulu, kepha abantu babe yingcosana phakathi kwawo, izindlu zingakakhiwa.

5 Então, o meu Deus me pôs no coração que ajuntasse os nobres, os magistrados e o povo, para registrar as genealogias. Achei o livro da genealogia dos que subiram primeiro, e nele estava escrito:

6 São estes os filhos da província que subiram do cativeiro, dentre os exilados, que Nabucodonosor, rei da Babilônia, levara para o exílio e que voltaram para Jerusalém e para Judá, cada um para a sua cidade,

7 os quais vieram com Zorobabel, Jesua, Neemias, Azarias, Raamias, Naamani, Mordecai, Bilsã, Misperete, Bigvai, Neum e Baaná. Este é o número dos homens do povo de Israel:

8 foram os filhos de Parós, dois mil cento e setenta e dois.

9 Os filhos de Sefatias, trezentos e setenta e dois.

10 Os filhos de Ará, seiscentos e cinqüenta e dois.

11 Os filhos de Paate-Moabe, dos filhos de Jesua e de Joabe, dois mil oitocentos e dezoito.

5 UNkulunkulu wami wabeka enhliziyweni yami ukuba ngibuthe abakhulu, nababusi, nabantu, ukuze babhalwe ngezizukulwane. Ngafumana incwadi yezizukulwane zabakhuphuka kuqala, ngafumana kulotshiwe kuyo ukuthi:

6Nampa abantwana bezwe abakhuphuka ekuthunjweni kubo ababethunjwe nguNebukadinesari inkosi yaseBabele, babuyela eJerusalema nakwaJuda, kwaba yilowo nalowo emzini wakubo,

7abafika noZerubabele, noJeshuwa, noNehemiya, no-Azariya, noRahamiya, noNahamani, noMoridekayi, noBilishani, noMisipereti, noBigivayi, noNehumi, noBahana.

Abokuqala ababuya eBabele

Umumo wamadoda abantu bakwa-Israyeli nanku:

8abantwana bakwaPharoshi: yizinkulungwane ezimbili nekhulu namashumi ayisikhombisa nambili;

9abantwana bakwaShefathiya: ngamakhulu amathathu namashumi ayisikhombisa nambili;

10abantwana bakwa-Ara: ngamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu nambili;

11abantwana bakwaPhahati Mowabi babantwana bakwaJeshuwa noJowabe: yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisishiyagalombili neshumi nesishiyagalombili;

[12] Os filhos de Elão, mil duzentos e cinqüenta e quatro.

[13] Os filhos de Zatu, oitocentos e quarenta e cinco.

[14] Os filhos de Zacai, setecentos e sessenta.

[15] Os filhos de Binui, seiscentos e quarenta e oito.

[16] Os filhos de Bebai, seiscentos e vinte e oito.

[17] Os filhos de Azgade, dois mil trezentos e vinte e dois.

[18] Os filhos de Adonicão, seiscentos e sessenta e sete.

[19] Os filhos de Bigvai, dois mil e sessenta e sete.

[20] Os filhos de Adim, seiscentos e cinqüenta e cinco.

[21] Os filhos de Ater, da família de Ezequias, noventa e oito.

[22] Os filhos de Hasum, trezentos e vinte e oito.

[23] Os filhos de Besai, trezentos e vinte e quatro.

[12]abantwana bakwa-Elamu: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisihlanu nane;
[13]abantwana bakwaZathu: ngamakhulu ayisishiyagalombili namashumi amane nanhlanu;
[14]abantwana bakwaZakayi: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi ayisithupha;
[15]abantwana bakwaBinuwi: ngamakhulu ayisithupha namashumi amane nesishiyagalombili;
[16]abantwana bakwaBebayi: ngamakhulu ayisithupha namashumi amabili nesishiyagalombili;
[17]abantwana bakwa-Azigadi: yizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu namashumi amabili nambili;
[18]abantwana bakwa-Adonikamu: ngamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesikhombisa;
[19]abantwana bakwaBigivayi: yizinkulungwane ezimbili namashumi ayisithupha nesikhombisa;
[20]abantwana bakwa-Adini: ngamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu nanhlanu;
[21]abantwana bakwa-Atheri kaHezekiya: ngamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalombili;
[22]abantwana bakwaHashumi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili nesishiyagalombili;
[23]abantwana bakwaBesayi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili nane;

[24] Os filhos de Harife, cento e doze.

[25] Os filhos de Gibeão, noventa e cinco.

[26] Os homens de Belém e de Netofa, cento e oitenta e oito.

[27] Os homens de Anatote, cento e vinte e oito.

[28] Os homens de Bete-Azmavete, quarenta e dois.

[29] Os homens de Quiriate-Jearim, Cefira e Beerote, setecentos e quarenta e três.

[30] Os homens de Ramá e Geba, seiscentos e vinte e um.

[31] Os homens de Micmás, cento e vinte e dois.

[32] Os homens de Betel e Ai, cento e vinte e três.

[33] Os homens do outro Nebo, cinqüenta e dois.

[34] Os filhos do outro Elão, mil duzentos e cinqüenta e quatro.

[35] Os filhos de Harim, trezentos e vinte.

[36] Os filhos de Jericó, trezentos e quarenta e cinco.

[37] Os filhos de Lode, Hadide e Ono, setecentos e vinte e um.

[24]abantwana bakwaHarifi: yikhulu neshumi nambili;

[25]abantwana bakwaGibeyoni: ngamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu.

[26]Amadoda aseBetlehema naseNethofa: yikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalombili;

[27]amadoda ase-Anathoti: yikhulu namashumi amabili nesishiyagalombili;

[28]amadoda aseBeti Azimaveti: ngamashumi amane nambili;

[29]amadoda aseKiriyati Jeharimi, naseKhefira, naseBeyeroti: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi amane nantathu;

[30]amadoda aseRama naseGeba: ngamakhulu ayisithupha namashumi amabili nanye;

[31]amadoda aseMikimasi: yikhulu namashumi amabili nambili;

[32]amadoda aseBethele nase-Ayi: yikhulu namashumi amabili nantathu;

[33]amadoda elinye iNebo: ngamashumi ayisihlanu nambili;

[34]abantwana bakwa-Elamu omunye: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisihlanu nane;

[35]abantwana bakwaHarimi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili;

[36]abantwana baseJeriko: ngamakhulu amathathu namashumi amane nanhlanu;

[37]abantwana baseLodi, naseHadidi, nase-Ono: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi amabili nanye;

[38] Os filhos de Senaá, três mil novecentos e trinta.

[39] Os sacerdotes: os filhos de Jedaías, da casa de Jesua, novecentos e setenta e três.

[40] Os filhos de Imer, mil e cinqüenta e dois.

[41] Os filhos de Pasur, mil duzentos e quarenta e sete.

[42] Os filhos de Harim, mil e dezessete.

[43] Os levitas: os filhos de Jesua, de Cadmiel, dos filhos de Hodeva, setenta e quatro.

[44] Os cantores: os filhos de Asafe, cento e quarenta e oito.

[45] Os porteiros: os filhos de Salum, os filhos de Ater, os filhos de Talmom, os filhos de Acube, os filhos de Hatita, os filhos de Sobai, cento e trinta e oito.

[46] Os servidores do templo: os filhos de Zia, os filhos de Hasufa, os filhos de Tabaote,

[47] os filhos de Queros, os filhos de Sia, os filhos de Padom,

[38]abantwana baseSenawa: yizinkulungwane ezintathu namakhulu ayisishiyagalolunye namashumi amathathu.

[39]Abapristi: abantwana bakwaJedaya, abendlu kaJeshuwa: ngamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisikhombisa nantathu;

[40]abantwana bakwa-Imeri: yinkulungwane namashumi ayisihlanu nambili;

[41]abantwana bakwaPhashuri: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi amane nesikhombisa;

[42]abantwana bakwaHarimi: yinkulungwane neshumi nesikhombisa.

[43]AmaLevi: abantwana bakwaJeshuwa kaKadimiyeli babantwana bakwaHodeva: ngamashumi ayisikhombisa nane.

[44]Abahlabeleli: abantwana bakwa-Asafa: yikhulu namashumi amane nesishiyagalombili.

[45]Abalindisango: abantwana bakwaShalumi, nabantwana bakwa-Atheri, nabantwana bakwaThalimoni, nabantwana bakwa-Akubi, nabantwana bakwaHathita, nabantwana bakwaShobayi: yikhulu namashumi amathathu nesishiyagalombili.

[46]AmaNethini: ngabantwana bakwaSiha, nabantwana bakwaHasufa, nabantwana bakwaThabawoti,

[47]nabantwana bakwaKerosi, nabantwana bakwaSiya, nabantwana bakwaPhadoni,

[48] os filhos de Lebana, os filhos de Hagaba, os filhos de Salmai,

[49] os filhos de Hanã, os filhos de Gidel, os filhos de Gaar,

[50] os filhos de Reaías, os filhos de Rezim, os filhos de Necoda,

[51] os filhos de Gazão, os filhos de Uzá, os filhos de Paséia,

[52] os filhos de Besai, os filhos de Meunim, os filhos de Nefusesim,

[53] os filhos de Baquebuque, os filhos de Hacufa, os filhos de Harur,

[54] os filhos de Bazlite, os filhos de Meída, os filhos de Harsa,

[55] os filhos de Barcos, os filhos de Sísera, os filhos de Tama,

[56] os filhos de Nesias e os filhos de Hatifa.

[57] Os filhos dos servos de Salomão: os filhos de Sotai, os filhos de Soferete, os filhos de Perida,

[58] os filhos de Jaala, os filhos de Darcom, os filhos de Gidel,

[59] os filhos de Sefatias, os filhos de Hatil, os filhos de Poquerete-Hazebaim e os filhos de Amom.

[48]nabantwana bakwaLebana, nabantwana bakwaHagaba, nabantwana bakwaShalimayi,

[49]nabantwana bakwaHanani, nabantwana bakwaGideli, nabantwana bakwaGahari,

[50]nabantwana bakwaRewaya, nabantwana bakwaResini, nabantwana bakwaNekhoda,

[51]nabantwana bakwaGazamu, nabantwana bakwa-Uza, nabantwana bakwaPhaseya,

[52]nabantwana bakwaBesayi, nabantwana bakwaMehuni, nabantwana bakwaNefushesimi,

[53]nabantwana bakwaBakibuki, nabantwana bakwaHakufa, nabantwana bakwaHarihuri,

[54]nabantwana bakwaBasiluthi, nabantwana bakwaMehida, nabantwana bakwaHarisha,

[55]nabantwana bakwaBarikhosi, nabantwana bakwaSisera, nabantwana bakwaThema,

[56]nabantwana bakwaNesiya, nabantwana bakwaHathifa.

[57]Abantwana bezinceku zikaSolomoni: ngabantwana bakwaSothayi, nabantwana bakwaSofereti, nabantwana bakwaPherida,

[58]nabantwana bakwaJahala, nabantwana bakwaDarikoni, nabantwana bakwaGideli,

[59]nabantwana bakwaShefathiya, nabantwana bakwaHathili, nabantwana

60 Todos os servidores do templo e os filhos dos servos de Salomão, trezentos e noventa e dois.

61 Os seguintes subiram de Tel-Melá, Tel-Harsa, Querube, Adom e Imer, porém não puderam provar que as suas famílias e a sua linhagem eram de Israel:

62 os filhos de Delaías, os filhos de Tobias, os filhos de Necoda, seiscentos e quarenta e dois.

63 Dos sacerdotes: os filhos de Habaías, os filhos de Coz, os filhos de Barzilai, o qual se casou com uma das filhas de Barzilai, o gileadita, e que foi chamado pelo nome dele.

64 Estes procuraram o seu registro nos livros genealógicos, porém o não acharam; pelo que foram tidos por imundos para o sacerdócio.

65 O governador lhes disse que não comessem das coisas sagradas, até que se levantasse um sacerdote com Urim e Tumim.

66 Toda esta congregação junta foi de quarenta e dois mil trezentos e sessenta,

67 afora os seus servos e as suas servas, que foram sete mil trezentos e trinta e sete; e

bakwaPhokereti Hasebayimi, nabantwana bakwa-Amoni.

60Onke amaNethini nabantwana bezinceku zikaSolomoni babe ngamakhulu amathathu namashumi ayisihiyagalolunye nambili.

61Nampa abakhuphuka eTheliMela, naseTheli Harisha, naseKherubi, nase-Adoni, nase-Imeri, kepha bebengenakusho izindlu zawoyise nozalo lwabo ukuba babe ngabakwa-Israyeli yini:

62abantwana bakwaDelaya, nabantwana bakwaThobiya, nabantwana bakwaNekhoda: ngamakhulu ayisithupha namashumi amane nambili.

63Kubapristi: ngabantwana bakwaHobaya, nabantwana bakwaHakhosi, nabantwana bakwaBarizilayi owathatha umfazi kumadodakazi kaBarizilayi wakwaGileyadi, wabizwa ngegama lawo.

64Labo bafuna ukubhalwa kwabo phakathi kwababhaliweyo ngezizukulwane, kepha akufunyanwanga; ngalokho kwathiwa bangcolile, bakhishwa ebupristini.

65Umbusi washo kubo ukuba bangadli okungcwelengcwele, kuze kuvele umpristi one-Urimi neThumimi.

66Lonke ibandla selihlangene laliyizinkulungwane ezingamashumi amane nambili namakhulu amathathu namashumi ayisithupha,

67ngaphandle kwezinceku zabo nezi ncekukazi zabo ezaziyizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu amathathu

tinham duzentos e quarenta e cinco cantores e cantoras.

namashumi amathathu nesikhombisa; babe nabahlabeleli besilisa nabesifazane abangamakhulu amabili namashumi amane nanhlanu.

68 Os seus cavalos, setecentos e trinta e seis; os seus mulos, duzentos e quarenta e cinco.

68Amahhashi abo ayengamakhulu ayisikhombisa namashumi amathathu nesithupha; iminyuzi yabo yayingamakhulu amabili namashumi amane nanhlanu;

69 Camelos, quatrocentos e trinta e cinco; jumentos, seis mil setecentos e vinte.

69amakamela ayengamakhulu amane namashumi amathathu nanhlanu; izimbongolo zaziyizinkulungwane eziyisithupha namakhulu ayisikhombisa namashumi amabili.

Contribuições para o templo

70 Alguns dos cabeças das famílias contribuíram para a obra. O governador deu para o tesouro, em ouro, mil daricos, cinqüenta bacias e quinhentas e trinta vestes sacerdotais.

70Ezinye izinhloko zanikelela umsebenzi; umbusi wanikelela isikhwama amadarike ayinkulungwane egolide, nezitsha ezingamashumi ayisihlanu, nezambatho zabapristi ezingamakhulu ayisihlanu namashumi amathathu.

71 E alguns mais dos cabeças das famílias deram para o tesouro da obra, em ouro, vinte mil daricos e, em prata, dois mil e duzentos arráteis.

71Ezinye izinhloko zawoyise zanikelela isikhwama somsebenzi amadarike ayizinkulungwane ezingamashumi amabili egolide namamane ayizinkulungwane ezimbili namakhulu amabili esiliva.

72 O que deu o restante do povo foi, em ouro, vinte mil daricos, e dois mil arráteis em prata, e sessenta e sete vestes sacerdotais.

72Abakunikelayo abanye abantu kwakungamadarike ayizinkulungwane ezingamashumi amabili egolide, namamane ayizinkulungwane ezimbili esiliva, nezambatho zabapristi ezingamashumi ayisithupha nesikhombisa.

73 Os sacerdotes, os levitas, os porteiros, os cantores, alguns do povo, os servidores do

73Base behlala-ke abapristi, namaLevi, nabalindisango, nabahlabeleli, nabanye

templo e todo o Israel habitavam nas suas cidades.

Neemias 8

Esdras lê a Lei diante do povo

[1] Em chegando o sétimo mês, e estando os filhos de Israel nas suas cidades, todo o povo se ajuntou como um só homem, na praça, diante da Porta das Águas; e disseram a Esdras, o escriba, que trouxesse o Livro da Lei de Moisés, que o SENHOR tinha prescrito a Israel.

[2] Esdras, o sacerdote, trouxe a Lei perante a congregação, tanto de homens como de mulheres e de todos os que eram capazes de entender o que ouviam. Era o primeiro dia do sétimo mês.

[3] E leu no livro, diante da praça, que está fronteira à Porta das Águas, desde a alva até ao meio-dia, perante homens e mulheres e os que podiam entender; e todo o povo tinha os ouvidos atentos ao Livro da Lei.

[4] Esdras, o escriba, estava num púlpito de madeira, que fizeram para aquele fim; estavam em pé junto a ele, à sua direita, Matitias, Sema, Anaías, Urias, Hilquias e Maaséias; e à sua esquerda, Pedaías, Misael, Malquias, Hasum, Hasbadana, Zacarias e Mesulão.

abantu, namaNethini, naye wonke u-Israyeli emizini yabo. Kwathi lapho inyanga yesikhombisa isifikile, abantwana bakwa-Israyeli babe semizini yabo.

UNehemiya 8

Abantu bafundelwa umthetho

[1] Bonke abantu babuthana njengomuntu munye esigcawini esasiphambi kweSango Lamanzi; bakhuluma ku-Ezra, umbhali, ukuba alethe incwadi yomthetho kaMose, uJehova ayeyale ngawo u-Israyeli.

[2]U-Ezra, umpristi, wawuletha umthetho phambi kwebandla, abesilisa nabesifazane nabo bonke ababe nengqondo yokuzwa, ngosuku lokuqala lwenyanga yesikhombisa.

[3] Wafunda kuwo phambi kwesigcawu esasiphambi kweSango Lamanzi, kusukela ekuseni kuze kube semini, phambi kwabesilisa nabesifazane nababe nengqondo yokuzwa; izindlebe zabantu bonke zalalela incwadi yomthetho.

[4]U-Ezra umbhali wayemi ebhesitulu lamapulangwe ababelenzele lo mgomo; eceleni kwakhe kwakumi oMatithiya, noShema, no-Anaya, no-Uriya, noHilikiya, noMahaseya ngakwesokunene sakhe, nangakwesokhohlo sakhe ngoPhedaya, noMishayeli, noMalikhiya, noHashumi, noHashibadana, noZakariya, noMeshulamu.

[5] Esdras abriu o livro à vista de todo o povo, porque estava acima dele; abrindo-o ele, todo o povo se pôs em pé.

[6] Esdras bendisse ao SENHOR, o grande Deus; e todo o povo respondeu: Amém! Amém! E, levantando as mãos; inclinaram-se e adoraram o SENHOR, com o rosto em terra.

[7] E Jesua, Bani, Serebias, Jamim, Acube, Sabetai, Hodias, Maaséias, Quelita, Azarias, Jozabade, Hanã, Pelaías e os levitas ensinavam o povo na Lei; e o povo estava no seu lugar.

[8] Leram no livro, na Lei de Deus, claramente, dando explicações, de maneira que entendessem o que se lia.

[9] Neemias, que era o governador, e Esdras, sacerdote e escriba, e os levitas que ensinavam todo o povo lhe disseram: Este dia é consagrado ao SENHOR, vosso Deus, pelo que não pranteeis, nem choreis. Porque todo o povo chorava, ouvindo as palavras da Lei.

[10] Disse-lhes mais: ide, comei carnes gordas, tomai bebidas doces e enviai porções aos que não têm nada preparado para si; porque este dia é consagrado ao nosso SENHOR; portanto, não vos entristeçais, porque a alegria do SENHOR é a vossa força.

[11] Os levitas fizeram calar todo o povo, dizendo: Calai-vos, porque este dia é santo; e não estejais contristados.

[5]U-Ezra wayivula incwadi emehlweni abantu bonke, ngokuba wayengaphezulu kwabantu bonke, nalapho eyivula, bonke abantu basukuma.

[6]U-Ezra wambonga uJehova uNkulunkulu omkhulu. Bonke abantu baphendula bathi: Amen, Amen, bephakamisa izandla zabo; bakhothama, bakhuleka kuJehova, ubuso babo bubheke phansi.

[7] NoJeshuwa, noBani, noSherebiya, noJamini, no-Akubi, noShabethayi, noHodiya, noMahaseya, noKelitha, no-Azariya, noJozabadi, noHanani, noPhelaya, namaLevi bafundisa abantu umthetho, abantu besezindaweni zabo.

[8]Bafunda encwadini, emthethweni kaNkulunkulu, bephumisela kahle; bachaza, babaqondisa okufundwayo.

[9] UNehemiya owayengumbusi, no-Ezra umpristi nombhali, namaLevi ayebafundisa abantu, bathi kubantu bonke: Lolu suku lungcwele kuJehova uNkulunkulu wenu; ningalili, ningakhali. Ngokuba bonke abantu bakhala, lapho bezwa amazwi omthetho.

[10]Wayesethi kubo: Hambani nidle okunonileyo, niphuze okumnandi, nithumele izabelo kwabangalungiselwanga lutho, ngokuba lolu suku lungcwele kuJehova; ningadabuki, ngokuba injabulo kaJehova iyinqaba yenu.

[11]AmaLevi ayesethulisa abantu bonke, ethi: Thulani, ngokuba lolu suku lungcwele; ningadabuki.

[12] Então, todo o povo se foi a comer, a beber, a enviar porções e a regozijar-se grandemente, porque tinham entendido as palavras que lhes foram explicadas.

A Festa dos Tabernáculos

[13] No dia seguinte, ajuntaram-se a Esdras, o escriba, os cabeças das famílias de todo o povo, os sacerdotes e os levitas, e isto para atentarem nas palavras da Lei.

[14] Acharam escrito na Lei que o SENHOR ordenara por intermédio de Moisés que os filhos de Israel habitassem em cabanas, durante a festa do sétimo mês;

[15] que publicassem e fizessem passar pregão por todas as suas cidades e em Jerusalém, dizendo: Saí ao monte e trazei ramos de oliveiras, ramos de zambujeiros, ramos de murtas, ramos de palmeiras e ramos de árvores frondosas, para fazer cabanas, como está escrito.

[16] Saiu, pois, o povo, trouxeram os ramos e fizeram para si cabanas, cada um no seu terraço, e nos seus pátios, e nos átrios da Casa de Deus, e na praça da Porta das Águas, e na praça da Porta de Efraim.

[17] Toda a congregação dos que tinham voltado do cativeiro fez cabanas e nelas habitou; porque nunca fizeram assim os filhos de Israel, desde os dias de Josué, filho de Num, até àquele dia; e houve mui grande alegria.

[12]Abantu bonke bahamba ukuba badle, baphuze, bathumele izabelo, bajabule kakhulu, ngokuba babeqondile amazwi ababewazisiwe.

Umkhosi wamadokodo

[13]Ngosuku lwesibili kwabuthana izinhloko zawoyise babantu bonke, nabapristi, namaLevi ku-Ezra umbhali ukuba baqaphele amazwi omthetho.

[14] Bafumanisa kulotshiwe emthethweni ukuthi uJehova wayeyalile ngesandla sikaMose ukuba abantwana bakwa-Israyeli bahlale emadokodweni ngomkhosi wenyanga yesikhombisa,

[15]bezwakalise, bathumele izwi emizini yabo yonke naseJerusalema lokuthi: Phumani, niye entabeni, nilande amagatsha omnqumo, namagatsha omnqumo wasendle, namagatsha ombomvana, namagatsha esundu, namagatsha emithi edumbileyo, nenze amadokodo njengokulotshiweyo.

[16]Base bephuma abantu, balanda lokho, bazenzela amadokodo, kwaba yilowo nalowo ophahleni lwendlu, nasemagcekeni abo, nasemagcekeni endlu kaNkulunkulu, nasesigcawini seSango Lamanzi, nasesigcawini seSango lakwa-Efrayimi.

[17]Ibandla lonke lababuyileyo ekuthunjweni lenza amadokodo, lahlala emadokodweni, ngokuba kusukela ezinsukwini zikaJeshuwa, indodana kaNuni, kuze kube yilolo suku abantwana bakwa-Israyeli babengenzanga kanjalo.

[18] Dia após dia, leu Esdras no Livro da Lei de Deus, desde o primeiro dia até ao último; e celebraram a festa por sete dias; no oitavo dia, houve uma assembléia solene, segundo o prescrito.

Kwakukhona ukuthokoza okukhulu kakhulu.

[18]Wafunda encwadini yomthetho kaNkulunkulu imihla ngemihla kusukela osukwini lokuqala kuze kube lusuku lokugcina. Bagubha umkhosi izinsuku eziyisikhombisa; ngosuku lwesishiyagalombili kwakungumhlangano ozothileyo njengomthetho.

Neemias 9

Arrependimento e confissão de pecados

[1] No dia vinte e quatro deste mês, se ajuntaram os filhos de Israel com jejum e pano de saco e traziam terra sobre si.

[2] Os da linhagem de Israel se apartaram de todos os estranhos, puseram-se em pé e fizeram confissão dos seus pecados e das iniqüidades de seus pais.

[3] Levantando-se no seu lugar, leram no Livro da Lei do SENHOR, seu Deus, uma quarta parte do dia; em outra quarta parte dele fizeram confissão e adoraram o SENHOR, seu Deus.

[4] Jesua, Bani, Cadmiel, Sebanias, Buni, Serebias, Bani e Quenani se puseram em pé no estrado dos levitas e clamaram em alta voz ao SENHOR, seu Deus.

[5] Os levitas Jesua, Cadmiel, Bani, Hasabnéias, Serebias, Hodias, Sebanias e Petaías disseram: Levantai-vos, bendizei ao SENHOR, vosso Deus, de eternidade em

UNehemiya 9

Usuku lokuzila nolokuzisola nolokukhuleka

[1]Ngosuku lwamashumi amabili nane lwaleyo nyanga abantwana bakwa-Israyeli babuthana, bazila ukudla benezindwangu zamasaka nothuli phezu kwabo.

[2]Inzalo ka-Israyeli yayizahlukanisa nabezizwe bonke, yayimi ivuma izono zayo nokona kwawoyise.

[3] Basukuma endaweni yabo, bafunda encwadini yomthetho kaJehova uNkulunkulu wabo inxenye yesine yosuku; inxenye yesine bavuma izono zabo, bakhuleka kuJehova uNkulunkulu wabo.

[4]Kwase kukhwela ezikhwelweni zamaLevi oJeshuwa, noBani, noKadimiyeli, noShebaniya, noBuni, noSherebiya, noBani, noKhenani, bamemeza ngezwi elikhulu kuJehova uNkulunkulu wabo.

[5]AmaLevi oJeshuwa, noKadimiyeli, noBani, noHashabineya, noSherebiya, noHodiya, noShebaniya, noPhethahiya athi: Sukumani nimbonge uJehova

eternidade. Então, se disse: Bendito seja o nome da tua glória, que ultrapassa todo bendizer e louvor.

uNkulunkulu wenu kusukela phakade kuze kube phakade. Malibongwe igama lakho elikhazimulayo, eliphakanyisiwe ngaphezu kwakho konke ukubonga nokudumisa.

[6] Só tu és SENHOR, tu fizeste o céu, o céu dos céus e todo o seu exército, a terra e tudo quanto nela há, os mares e tudo quanto há neles; e tu os preservas a todos com vida, e o exército dos céus te adora.

[6] Wena unguJehova, wena wedwa. Wenzile izulu, izulu lamazulu nalo lonke ibandla lawo, umhlaba nakho konke okukuwo, izilwandle nakho konke okukuzo, ulonda konke, nebandla lasezulwini likhuleka kuwe.

[7] Tu és o SENHOR, o Deus que elegeste Abrão, e o tiraste de Ur dos caldeus, e lhe puseste por nome Abraão.

[7] Wena unguJehova uNkulunkulu owakhetha u-Abrama, wamkhipha e-Uri lamaKaledi, wametha igama lokuthi u-Abrahama;

[8] Achaste o seu coração fiel perante ti e com ele fizeste aliança, para dares à sua descendência a terra dos cananeus, dos heteus, dos amorreus, dos ferezeus, dos jebuseus e dos girgaseus; e cumpriste as tuas promessas, porquanto és justo.

[8] wafumana inhliziyo yakhe ithembekile phambi kwakho, wenza isivumelwano naye ukunika inzalo yakhe izwe lamaKhanani, nelamaHeti, nelama-Amori, nelamaPherizi, nelamaJebusi, nelamaGirigashi, wawafeza amazwi akho, ngokuba ulungile.

[9] Viste a aflição de nossos pais no Egito, e lhes ouviste o clamor junto ao mar Vermelho.

[9] Wabona ukuhlupheka kwawobaba eGibithe, wezwa ukukhala kwabo ngaseLwandle Olubomvu;

[10] Fizeste sinais e milagres contra Faraó e seus servos e contra todo o povo da sua terra, porque soubeste que os trataram com soberba; e, assim, adquiriste renome, como hoje se vê.

[10] wenza izibonakaliso nezimangaliso kuFaro nasezincekwini zakhe zonke, nakubo bonke abantu bezwe lakhe, ngokuba wazi ukuthi babebaqholoshela, wazenzela igama, njengalokhu kunjalo nanamuhla.

[11] Dividiste o mar perante eles, de maneira que o atravessaram em seco; lançaste os seus perseguidores nas profundezas, como uma pedra nas águas impetuosas.

[11] Wahlukanisa ulwandle phambi kwabo, badabula phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo; nababaxoshayo

wabaphonsa otweni njengetshe emanzini anamandla.

[12] Guiaste-os, de dia, por uma coluna de nuvem e, de noite, por uma coluna de fogo, para lhes alumiar o caminho por onde haviam de ir.

[12] Wabahola ngensika yefu emini nangensika yomlilo ebusuku ukubakhanyisela endleleni ababeyakuhamba ngayo.

[13] Desceste sobre o monte Sinai, do céu falaste com eles e lhes deste juízos retos, leis verdadeiras, estatutos e mandamentos bons.

[13] Wehlela entabeni yaseSinayi, wakhuluma nabo usezulwini, wabanika izahlulelo ezilungileyo, nemithetho eqinisileyo, nezimiso, nemiyalo emihle;

[14] O teu santo sábado lhes fizeste conhecer; preceitos, estatutos e lei, por intermédio de Moisés, teu servo, lhes mandaste.

[14]wabazisa isabatha lakho elingcwele, wabayala ngemiyalo, nangezimiso, nangomthetho ngesandla sikaMose inceku yakho;

[15] Pão dos céus lhes deste na sua fome e água da rocha lhes fizeste brotar na sua sede; e lhes disseste que entrassem para possuírem a terra que, com mão levantada, lhes juraste dar.

[15] wabanika isinkwa esivela ezulwini ngokulamba kwabo, wabakhiphela amanzi edwaleni ngokoma kwabo, wabayala ukuba bangene ukulidla izwe owaphakamisa ngalo isandla sakho ukuba ubanike lona.

[16] Porém eles, nossos pais, se houveram soberbamente, e endureceram a sua cerviz, e não deram ouvidos aos teus mandamentos.

[16] Kepha bona nawoyise baqholosha, benza lukhuni izintamo zabo, kabalalelanga imiyalo yakho,

[17] Recusaram ouvir-te e não se lembraram das tuas maravilhas, que lhes fizeste; endureceram a sua cerviz e na sua rebelião levantaram um chefe, com o propósito de voltarem para a sua servidão no Egito. Porém tu, ó Deus perdoador, clemente e misericordioso, tardio em irar-te e grande em bondade, tu não os desamparaste,

[17] benqaba ukulalela, abakhumbulanga izimangaliso zakho owazenza phakathi kwabo, kepha benza lukhuni izintamo zabo, nangokuhlubuka kwabo bamisa induna ukuba babuyele ebugqileni babo; kodwa wena unguNkulunkulu othethelelayo, onomusa nesihe; wephuza ukuthukuthela, ugcwele isihawu; kawubashiyanga.

[18] ainda mesmo quando fizeram para si um bezerro de fundição e disseram: Este é o

[18]Yebo, lapho bezenzele ithole elibunjiweyo bethi: Leli linguNkulunkulu

teu Deus, que te tirou do Egito; e cometeram grandes blasfêmias.

[19] Todavia, tu, pela multidão das tuas misericórdias, não os deixaste no deserto. A coluna de nuvem nunca se apartou deles de dia, para os guiar pelo caminho, nem a coluna de fogo de noite, para lhes alumiar o caminho por onde haviam de ir.

[20] E lhes concedeste o teu bom Espírito, para os ensinar; não lhes negaste para a boca o teu maná; e água lhes deste na sua sede.

[21] Desse modo os sustentaste quarenta anos no deserto, e nada lhes faltou; as suas vestes não envelheceram, e os seus pés não se incharam.

[22] Também lhes deste reinos e povos, que lhes repartiste em porções; assim, possuíram a terra de Seom, a saber, a terra do rei de Hesbom e a terra de Ogue, rei de Basã.

[23] Multiplicaste os seus filhos como as estrelas do céu e trouxeste-os à terra de que tinhas dito a seus pais que nela entrariam para a possuírem.

[24] Entraram os filhos e tomaram posse da terra; abateste perante eles os moradores da terra, os cananeus, e lhos entregaste nas mãos, como também os reis e os povos da terra, para fazerem deles segundo a sua vontade.

[25] Tomaram cidades fortificadas e terra fértil e possuíram casas cheias de toda sorte de coisas boas, cisternas cavadas, vinhas e olivais e árvores frutíferas em

wakho owakukhuphula eGibithe, benza izithuko ezinkulu,

[19] nokho wena ngomusa wakho omkhulu awubashiyanga ehlane; insika yefu ayisukanga phezu kwabo emini ukubahola endleleni, nensika yomlilo ebusuku ukubakhanyisela endleleni ababeyakuhamba ngayo.

[20]Wabanika nomoya wakho omuhle ukubafundisa; awugodlanga imana lakho emilonyeni yabo, wabanika amanzi ngokoma kwabo.

[21]Wabondla iminyaka engamashumi amane ehlane, kabaswelanga lutho; izingubo zabo aziguganga, nezinyawo azivuvukalanga.

[22] Wabanika imibuso nezizwe owababela khona izindawo ngezindawo; badla izwe likaSihoni, izwe lenkosi yaseHeshiboni, nezwe lika-Ogi inkosi yaseBashani.

[23] Nabantwana babo wabandisa ngangezinkanyezi zezulu, wabangenisa ezweni owasho ngalo koyise ukuthi bayakungena ukulidla.

[24] Abantwana bangena-ke, balidla izwe, wahlula phambi kwabo abakhe ezweni, amaKhanani, wabanikela ezandleni zabo, kanye namakhosi abo, nabantu bezwe, ukuba benze kubo njengokuthanda kwabo.

[25] Bathatha imizi ebiyelweyo nezwe elivundileyo, badla izindlu ezigcwele okuhle konke: imithombo embiweyo, nezivini, neminqumo, nemithi eminingi

abundância; comeram, e se fartaram, e engordaram, e viveram em delícias, pela tua grande bondade.

26 Ainda assim foram desobedientes e se revoltaram contra ti; viraram as costas à tua lei e mataram os teus profetas, que protestavam contra eles, para os fazerem voltar a ti; e cometeram grandes blasfêmias.

27 Pelo que os entregaste nas mãos dos seus opressores, que os angustiaram; mas no tempo de sua angústia, clamando eles a ti, dos céus tu os ouviste; e, segundo a tua grande misericórdia, lhes deste libertadores que os salvaram das mãos dos que os oprimiam.

28 Porém, quando se viam em descanso, tornavam a fazer o mal diante de ti; e tu os desamparavas nas mãos dos seus inimigos, para que dominassem sobre eles; mas, convertendo-se eles e clamando a ti, tu os ouviste dos céus e, segundo a tua misericórdia, os livraste muitas vezes.

29 Testemunhaste contra eles, para que voltassem à tua lei; porém eles se houveram soberbamente e não deram ouvidos aos teus mandamentos, mas pecaram contra os teus juízos, pelo cumprimento dos quais o homem viverá; obstinadamente deram de ombros, endureceram a cerviz e não quiseram ouvir.

30 No entanto, os aturaste por muitos anos e testemunhaste contra eles pelo teu Espírito, por intermédio dos teus profetas;

yokudliwa; badla-ke, basutha, bakhuluphala, benama ngobuhle bakho obukhulu.

26 Kepha babengalalelі, bakuhlubuka, balahla nyovane umthetho wakho, bababulala abaprofethi bakho abafakaza ngabo ukubabuyisela kuwe, benza izithuko ezinkulu.

27 Wawusubanikela esandleni sezitha zabo ezabahlupha; ngesikhathi sokuhlupheka kwabo sebekhala kuwe, wena wabezwa usezulwini, nangomusa wakho omkhulu wabanika abasindisi ababasindisa esandleni sezitha zabo.

28 Kepha sebephumulile, babuye benza okubi ebusweni bakho; wawusubashiya esandleni sezitha zabo, zaze zabusa phezu kwabo; kodwa lapho bebuye bekhala kuwe, wena wabezwa usezulwini, wabophula kaningi ngomusa wakho omkhulu,

29 wabaxwayisa ukuba ububuyisele emthethweni wakho, kepha baqholosha, kabayilalelanga imiyalo yakho, kodwa bona ezahlulelweni zakho, okothi uma umuntu ezenza, uyakuphila ngazo, baphendula ihlombe ngenkani, benza lukhuni intamo yabo, abaze bezwa.

30 Nokho iminyaka eminingi wababekezelela, wabaxwayisa ngoMoya wakho ngesandla sabaprofethi bakho,

porém eles não deram ouvidos; pelo que os entregaste nas mãos dos povos de outras terras.

31 Mas, pela tua grande misericórdia, não acabaste com eles nem os desamparaste; porque tu és Deus clemente e misericordioso.

32 Agora, pois, ó Deus nosso, ó Deus grande, poderoso e temível, que guardas a aliança e a misericórdia, não menosprezes toda a aflição que nos sobreveio, a nós, aos nossos reis, aos nossos príncipes, aos nossos sacerdotes, aos nossos profetas, aos nossos pais e a todo o teu povo, desde os dias dos reis da Assíria até ao dia de hoje.

33 Porque tu és justo em tudo quanto tem vindo sobre nós; pois tu fielmente procedeste, e nós, perversamente.

34 Os nossos reis, os nossos príncipes, os nossos sacerdotes e os nossos pais não guardaram a tua lei, nem deram ouvidos aos teus mandamentos e aos teus testemunhos, que testificaste contra eles.

35 Pois eles no seu reino, na muita abundância de bens que lhes deste, na terra espaçosa e fértil que puseste diante deles não te serviram, nem se converteram de suas más obras.

36 Eis que hoje somos servos; e até na terra que deste a nossos pais, para comerem o seu fruto e o seu bem, eis que somos servos nela.

kepha abezwanga; wawusubanikela esandleni sabantu bezizwe.

31 Nokho ngomusa wakho omkhulu awubaqothulanga, awubashiyanga, ngokuba unguNkulunkulu onomusa nobumnene.

32 Ngalokho, Nkulunkulu wethu, Nkulunkulu omkhulu onamandla owesabekayo, ogcina isivumelwano nomusa, yonke le nkathazo mayingabi ncane ebusweni bakho esificile thina, namakhosi ethu, nezikhulu zethu, nabapristi bethu, nabaprofethi bethu, nawobaba, nabo bonke abantu bakho, kusukela esikhathini samakhosi ase-Asiriya kuze kube namuhla.

33 Nokho wena ulungile kukho konke okusehleleyo, ngokuba wenze ngeqiniso, kepha thina sinecala;

34 namakhosi ethu, nezikhulu zethu, nabapristi bethu, nawobaba abagcinanga umthetho wakho, kabalalelanga imiyalo yakho nezixwayiso zakho obaxwayise ngazo.

35Abakukhonzanga embusweni wabo, nasebuhleni bakho obukhulu owabanika bona, nasezweni elibanzi nelivundileyo owabapha lona ebusweni babo, ababuyanga emisebenzini yabo emibi.

36 Bheka, siyizinceku namuhla, nezwe owalinika obaba ukuba badle izithelo zalo nokuhle kwalo, bheka, siyizinceku kulo.

[37] Seus abundantes produtos são para os reis que puseste sobre nós por causa dos nossos pecados; e, segundo a sua vontade, dominam sobre o nosso corpo e sobre o nosso gado; estamos em grande angústia.

A aliança do povo sobre guardar a Lei

[38] Por causa de tudo isso, estabelecemos aliança fiel e o escrevemos; e selaram-na os nossos príncipes, os nossos levitas e os nossos sacerdotes.

Neemias 10

[1] Os que selaram foram: Neemias, o governador, filho de Hacalias, e Zedequias,

[2] Seraías, Azarias, Jeremias,

[3] Pasur, Amarias, Malquias,

[4] Hatus, Sebanias, Maluque,

[5] Harim, Meremote, Obadias,

[6] Daniel, Ginetom, Baruque,

[7] Mesulão, Abias, Miamim,

[8] Maazias, Bilgai, Semaías; estes eram os sacerdotes.

[9] E os levitas: Jesua, filho de Azanias, Binui, dos filhos de Henadade, Cadmiel

[10] e os irmãos deles: Sebanias, Hodias, Quelita, Pelaías, Hanã,

[11] Mica, Reobe, Hasabias,

[12] Zacur, Serebias, Sebanias,

[13] Hodias, Bani e Beninu.

[14] Os chefes do povo: Parós, Paate-Moabe, Elão, Zatu, Bani,

[15] Buni, Azgade, Bebai,

[16] Adonias, Bigvai, Adim,

[37]Lithelela kakhulu amakhosi owabeke phezu kwethu ngenxa yezono zethu; abusa phezu kwemizimba yethu naphezu kwezinkomo zethu njengokuthanda kwawo; thina sisekuhluphekeni okukhulu.

Abantu benza isivumelwano noNkulunkulu

[38] Ngenxa yakho konke lokho senza isivumelwano esiqinisileyo, sasiloba; kwanamatheliswa ngophawu yizikhulu zethu, namaLevi ethu, nabapristi bethu.

UNehemiya 10

[1]Abanamathelisa nampa: uNehemiya umbusi, indodana kaHakaliya, noSedekiya,

[2]noSeraya, no-Azariya, noJeremiya,

[3]noPhashuri, no-Amariya, noMalikhiya,

[4]noHathushi, noShebaniya, noMaluki,

[5]noHarimi, noMeremoti, no-Obadiya,

[6]noDaniyeli, noGinethoni, noBaruki,

[7]noMeshulamu, no-Abiya, noMijamini,

[8]noMahaziya, noBiligayi, noShemaya; labo babe ngabapristi.

[9]AmaLevi: uJeshuwa indodana ka-Azaniya, noBinuwi wamadodana kaHenadadi, noKadimiyeli,

[10]nabafowabo oShebaniya, noHodiya, noKelitha, noPhelaya, noHanani,

[11]noMika, noRehobe, noHashabiya,

[12]noZakuri, noSherebiya, noShebaniya,

[13]noHodiya, noBani, noBeninu.

[14] Izinhloko zabantu: oPharoshi, noPhahati Mowabi, no-Elamu, noZathu, noBani,

[15]noBuni, no-Azigadi, noBebayi,

[16]no-Adoniya, noBigivayi, no-Adini,

[17] Ater, Ezequias, Azur,
[18] Hodias, Hasum, Besai,
[19] Harife, Anatote, Nebai,
[20] Magpias, Mesulão, Hezir,
[21] Mesezabel, Zadoque, Jadua,
[22] Pelatias, Hanã, Anaías,
[23] Oseias, Hananias, Hassube,
[24] Haloés, Pilha, Sobeque,
[25] Reum, Hasabna, Maaséias,
[26] Aías, Hanã, Anã,
[27] Maluque, Harim e Baaná.

[28] O resto do povo, os sacerdotes, os levitas, os porteiros, os cantores, os servidores do templo e todos os que se tinham separado dos povos de outras terras para a Lei de Deus, suas mulheres, seus filhos e suas filhas, todos os que tinham saber e entendimento,

[29] firmemente aderiram a seus irmãos; seus nobres convieram, numa imprecação e num juramento, de que andariam na Lei de Deus, que foi dada por intermédio de Moisés, servo de Deus, de que guardariam e cumpririam todos os mandamentos do SENHOR, nosso Deus, e os seus juízos e os seus estatutos;

[30] de que não dariam as suas filhas aos povos da terra, nem tomariam as filhas deles para os seus filhos;

[31] de que, trazendo os povos da terra no dia de sábado qualquer mercadoria e qualquer cereal para venderem, nada comprariam deles no sábado, nem no dia

[17]no-Atheri, noHezekiya, no-Azuri,
[18]noHodiya, noHashumi, noBesayi,
[19]noHarifi, no-Anathoti, noNobayi,
[20]noMagiphiyashi, noMeshulamu, noHeziri,
[21]noMeshezabeli, noSadoki, noJaduwa,
[22]noPhelathiya, noHanani, no-Anaya,
[23]noHosheya, noHananiya, noHashubi,
[24]noHaloheshi, noPhiliha, noShobeki,
[25]noRehumi, noHashabina, noMahaseya,
[26]no-Ahiya, noHanani, no-Anani,
[27]noMaluki, noHarimi, noBahana.

[28]Abantu abaseleyo, abapristi, namaLevi, nabalindisango, nabahlabeleli, namaNethini, nabo bonke ababezahlukanisile nabantu bezwe ukuba bazihlanganise nomthetho kaNkulunkulu, nawomkabo, namadodana abo, namadodakazi abo, bonke ababe nolwazi nokuhlakanipha,

[29]babambelela kubafowabo, abakhulu babo, benza isithembiso nesifungo sokuba bahambe emthethweni kaNkulunkulu owanikwa ngesandla sikaMose inceku kaNkulunkulu, bagcine, benze yonke imiyalo kaJehova iNkosi yethu, nezahlulelo zakhe, nezimiso zakhe

[30] ukuba singabaniki abantu bezwe amadodakazi ethu, singathatheli amadodana ethu amadodakazi abo,

[31]nokuba lapho abantu bezwe beletha impahla, noma uhlobo oluthile lwamabele ngosuku lwesabatha ukuba bathengise ngakho, singathengi kubo ngesabatha

santificado; e de que, no ano sétimo, abririam mão da colheita e de toda e qualquer cobrança.

nangosuku olungcwele, futhi siwuyeke umnyaka wesikhombisa nazo zonke izikwenetu.

[32] Também sobre nós pusemos preceitos, impondo-nos cada ano a terça parte de um siclo para o serviço da casa do nosso Deus,

[32]Futhi sazimisela umthetho wokuba sithele inxenye yesithathu yeshekeli ngomnyaka, ibe ngeyomsebenzi wendlu kaNkulunkulu wethu,

[33] e para os pães da proposição, e para a contínua oferta de manjares, e para o contínuo holocausto dos sábados e das Festas da Lua Nova, e para as festas fixas, e para as coisas sagradas, e para as ofertas pelo pecado, e para fazer expiação por Israel, e para toda a obra da casa do nosso Deus.

[33] eyesinkwa sokubukwa kanye nomnikelo wempuphu wemihla yonke nomnikelo oshiswa imihla yonke, neyamasabatha, neyokwethwasa kwenyanga, neyemikhosi emisiweyo, neyezinto ezingcwele, neyeminikelo yezono, ukuba kwenziwe ukubuyisana kuka-Israyeli nomsebenzi wonke wendlu kaNkulunkulu wethu.

[10] Então, o rei tirou da mão o seu anel, deu-o a Hamã, filho de Hamedata, agagita, adversário dos judeus,

[11] e lhe disse: Essa prata seja tua, como também esse povo, para fazeres dele o que melhor for de teu agrado.

O rei decreta a morte dos judeus

[12] Chamaram, pois, os secretários do rei, no dia treze do primeiro mês, e, segundo ordenou Hamã, tudo se escreveu aos sátrapas do rei, aos governadores de todas as províncias e aos príncipes de cada povo; a cada província no seu próprio modo de escrever e a cada povo na sua própria

[7] Ngenyanga yokuqala eyinyanga kaNisani ngomnyaka weshumi nambili wenkosi u-Ahashiveroshi benza iPhure eliyinkatho phambi kukaHamani imihla ngemihla izinyanga ngezinyanga, kwaze kwaba ngeyeshumi nambili eyinyanga ka-Adari.

[8]UHamani wathi enkosini u-Ahashiveroshi: Kukhona isizwe esithile esihlakazekile, sisakazekile phakathi kwabantu bezifunda zonke zombuso wakho; nemithetho yaso yahlukene neyezizwe zonke; futhi asigcini imithetho yenkosi; ngalokho akufanele ukuba inkosi isiyeke.

[9]Uma kukuhle enkosini, makulotshwe ukuba sichithwe; ngiyakukhokhela amatalenta ayizinkulungwane eziyishumi esiliva ezandleni zabenza umsebenzi wenkosi, ayiswe esikhwameni senkosi.

[10] Inkosi yakhumula indandatho yayo esandleni sayo, yayinika uHamani indodana kaHamedatha umAgagi isitha sabaJuda.

[11]Inkosi yathi kuHamani: Isiliva liyanikwa wena, nesizwe futhi, ukuba wenze kuso okuhle emehlweni akho.

[12]Kwase kubizwa abalobi benkosi ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nantathu lwayo, kwalotshwa njengakho konke uHamani ayala angakho othulasizwe benkosi, nababusi ababephethe izifunda ngezifunda, nezikhulu zezizwe ngezizwe, izifunda ngezifunda njengokubhala kwazo,

língua. Em nome do rei Assuero se escreveu, e com o anel do rei se selou.

nezizwe ngezizwe njengolimi lwazo; kwalotshwa egameni lenkosi u-Ahashiveroshi, kwanamathiselwa ngendandatho yenkosi.

[13] Enviaram-se as cartas, por intermédio dos correios, a todas as províncias do rei, para que se destruíssem, matassem e aniquilassem de vez a todos os judeus, moços e velhos, crianças e mulheres, em um só dia, no dia treze do duodécimo mês, que é o mês de adar, e que lhes saqueassem os bens.

[13]Izincwadi zathunywa ngesandla sezigijimi ezifundeni zonke zenkosi ukuba kuchithwe, kubulawe, kubhujiswe abaJuda bonke, abasha nabadala, izingane nabesifazane, ngalusuku lunye, ngolweshumi nantathu lwenyanga yeshumi nambili eyinyanga ka-Adari, impahla yabo ibe yimpango.

[14] Tais cartas encerravam o traslado do decreto para que se proclamasse a lei em cada província; esse traslado foi enviado a todos os povos para que se preparassem para aquele dia.

[14]Impinda yokulotshiweyo yanikwa ukuba ibe yisimemezelo ezifundeni zonke, kumenyezelwe kubantu bonke ukuba bazilungiselele lolo suku.

[15] Os correios, pois, impelidos pela ordem do rei, partiram incontinenti, e a lei se proclamou na cidadela de Susã; o rei e Hamã se assentaram a beber, mas a cidade de Susã estava perplexa.

[15] Izigijimi zashesha zahamba ngezwi lenkosi. Umthetho washaywa eShushani endlini yenkosi; inkosi noHamani bahlala phansi, baphuza, kepha umuzi waseShushani wakhungatheka.

Ester 4

Ester promete interceder pelo seu povo

[1] Quando soube Mordecai tudo quanto se havia passado, rasgou as suas vestes, e se cobriu de pano de saco e de cinza, e, saindo pela cidade, clamou com grande e amargo clamor;

U-Esteri 4

Ukudabuka kukaMoridekayi

[1]UMoridekayi esekwazi konke okwenziweyo, uMoridekayi waziklebhula izingubo zakhe, wembatha indwangu yamasaka nomlotha, waphumela phakathi komuzi, wakhala ngokukhala okukhulu okumunyu;

[2] e chegou até à porta do rei; porque ninguém vestido de pano de saco podia entrar pelas portas do rei.

[2]waya naphambi kwesango lenkosi, ngokuba kwakungekho ongangena esangweni lenkosi embethe indwangu yamasaka.

[3] Em todas as províncias aonde chegava a palavra do rei e a sua lei, havia entre os judeus grande luto, com jejum, e choro, e lamentação; e muitos se deitavam em pano de saco e em cinza.

[3]Kuzo zonke izifunda lapho kwafika khona izwi lenkosi nomthetho wayo, kwaba khona ukulila okukhulu phakathi kwabaJuda, nokuzila ukudla nokukhala ngezinyembezi, nokulila; abaningi balala phansi bembethe izindwangu zamasaka nomlotha.

U-Esteri uyabikelwa indaba. Impendulo yakhe

[4] Então, vieram as servas de Ester e os eunucos e fizeram-na saber, com o que a rainha muito se doeu; e mandou roupas para vestir a Mordecai e tirar-lhe o pano de saco; porém ele não as aceitou.

[4]Izintombi zika-Esteri nezinduna zakhe zafika zamtshela lokho; inkosikazi yazwiswa kakhulu ubuhlungu; yathuma izingubo zokumembathisa uMoridekayi, yasusa kuye ingubo yakhe yamasaka; kepha akazamukelanga.

[5] Então, Ester chamou a Hataque, um dos eunucos do rei, que este lhe dera para a servir, e lhe ordenou que fosse a Mordecai para saber que era aquilo e o seu motivo.

[5]U-Esteri wayesebiza uHathaki wezinduna zenkosi eyayimmisile ukuba amkhonze, wamyala ukuba aye kuMoridekayi, ukuze akwazi ukuthi kuyini nokuthi kungani na?

[6] Saiu, pois, Hataque à praça da cidade para encontrar-se com Mordecai à porta do rei.

[6]UHathaki wayesehamba, waya kuMoridekayi esigcawini somuzi esasiphambi kwesango lenkosi.

[7] Mordecai lhe fez saber tudo quanto lhe tinha sucedido; como também a quantia certa da prata que Hamã prometera pagar aos tesouros do rei pelo aniquilamento dos judeus.

[7] UMoridekayi wamtshela konke okumehleleyo nenani lemali uHamani ayethembisile ukulikhokhela esikhwameni senkosi ngabaJuda ukuba babhujiswe.

[8] Também lhe deu o traslado do decreto escrito que se publicara em Susã para os destruir, para que o mostrasse a Ester e a fizesse saber, a fim de que fosse ter com o rei, e lhe pedisse misericórdia, e, na sua presença, lhe suplicasse pelo povo dela.

[8] Wamnika futhi impinda yomthetho olotshiweyo owashaywa eShushani wokuba babhujiswe, ukuze amtshengise yona u-Esteri, amtshele ngayo, amyale ukuba angene enkosini ukunxusa kuyo, acelele abantu bakhe phambi kwayo.

[9] Tornou, pois, Hataque e fez saber a Ester as palavras de Mordecai.

[9]Wafika uHathaki, wamtshela u-Esteri amazwi kaMoridekayi.

[10] Então, respondeu Ester a Hataque e mandou-lhe dizer a Mordecai:

[10]Wayesethi u-Esteri kuHathaki, wayala ukuba kuthiwe kuMoridekayi:

[11] Todos os servos do rei e o povo das províncias do rei sabem que, para qualquer homem ou mulher que, sem ser chamado, entrar no pátio interior para avistar-se com o rei, não há senão uma sentença, a de morte, salvo se o rei estender para ele o cetro de ouro, para que viva; e eu, nestes trinta dias, não fui chamada para entrar ao rei.

[12] Fizeram saber a Mordecai as palavras de Ester.

[13] Então, lhes disse Mordecai que respondessem a Ester: Não imagines que, por estares na casa do rei, só tu escaparás entre todos os judeus.

[14] Porque, se de todo te calares agora, de outra parte se levantará para os judeus socorro e livramento, mas tu e a casa de teu pai perecereis; e quem sabe se para conjuntura como esta é que foste elevada a rainha?

[15] Então, disse Ester que respondessem a Mordecai:

[16] Vai, ajunta a todos os judeus que se acharem em Susã, e jejuai por mim, e não comais, nem bebais por três dias, nem de noite nem de dia; eu e as minhas servas também jejuaremos. Depois, irei ter com o rei, ainda que é contra a lei; se perecer, pereci.

[17] Então, se foi Mordecai e tudo fez segundo Ester lhe havia ordenado.

Ester 5

[11]Zonke izinceku zenkosi nabantu bezifunda zenkosi bayazi ukuthi bonke abesilisa nabesifazane abeza enkosini egcekeni elingaphakathi bengabizwanga, kukhona umthetho munye ngabo wokuba babulawe, ngaphandle kwalowo inkosi eyakwelulela kuye intonga yegolide ukuba aphile; kodwa mina angibizwanga ukuba ngingene enkosini ngalezi zinsuku ezingamashumi amathathu.

[12]Bamtshela uMoridekayi amazwi ka-Esteri.

[13]Wayesesho uMoridekayi ukuba babuyisele impendulo ku-Esteri ngokuthi: Ungacabangi enhliziyweni yakho ukuthi wena uyakusinda endlini yenkosi kunabaJuda bonke.

[14] Ngokuba uma uthula nokuthula ngalesi sikhathi, ukukhululwa nokophulwa kwabaJuda kuyakuvela kwenye indawo, wena nendlu kayihlo nibhubhe. Ngubani okwaziyo, uma ungafikanga embusweni ngenxa yesikhathi esinjengalesi na?

[15]U-Esteri wayesesho ukuba kubuyiselwe impendulo kuMoridekayi yokuthi:

[16] Hambani nibuthe bonke abaJuda abakhona eShushani, ningizilele ukudla, ningadli, ningaphuzi izinsuku ezintathu ubusuku nemini; nami nezintombi zami siyakuzila kanjalo, ngingene enkosini noma kungengamthetho; uma ngibhubha, mangibhubhe.

[17]Wayesehamba uMoridekayi, wenza njengakho konke u-Esteri amyale ngakho.

U-Esteri 5

Ester convida ao rei e Hamã para um banquete

[1] Ao terceiro dia, Ester se aprontou com seus trajes reais e se pôs no pátio interior da casa do rei, defronte da residência do rei; o rei estava assentado no seu trono real fronteiro à porta da residência.

[2] Quando o rei viu a rainha Ester parada no pátio, alcançou ela favor perante ele; estendeu o rei para Ester o cetro de ouro que tinha na mão; Ester se chegou e tocou a ponta do cetro.

[3] Então, lhe disse o rei: Que é o que tens, rainha Ester, ou qual é a tua petição? Até metade do reino se te dará.

[4] Respondeu Ester: Se bem te parecer, venha o rei e Hamã, hoje, ao banquete que eu preparei ao rei.

[5] Então, disse o rei: Fazei apressar a Hamã, para que atendamos ao que Ester deseja. Vindo, pois, o rei e Hamã ao banquete que Ester havia preparado,

[6] disse o rei a Ester, no banquete do vinho: Qual é a tua petição? E se te dará. Que desejas? Cumprir-se-á, ainda que seja metade do reino.

[7] Então, respondeu Ester e disse: Minha petição e desejo são o seguinte:

[8] se achei favor perante o rei, e se bem parecer ao rei conceder-me a petição e cumprir o meu desejo, venha o rei com Hamã ao banquete que lhes hei de

U-Esteri wenzela inkosi noHamani idili

[1]Kwathi ngosuku lwesithathu u-Esteri wembatha ingubo yobukhosi, wema egcekeni elingaphakathi lendlu yenkosi malungana nendlu yenkosi; inkosi yayihlezi esihlalweni sayo sobukhosi endlini yobukhosi malungana nomnyango wendlu.

[2] Kwathi lapho inkosi ibona u-Esteri inkosikazi emi egcekeni, wafumana umusa emehlweni ayo; inkosi yamelulela u-Esteri intonga yegolide esesandleni sayo. Wayesesondela u-Esteri, wasithinta isihloko sentonga.

[3] Yayisithi inkosi kuye: Ukhala ngani, nkosikazi Esteri, na? Yini oyifunayo na? Uyakunikwa kuze kube nenxenye yombuso.

[4] Wathi u-Esteri: Uma kukuhle enkosini, inkosi noHamani mabeze namuhla edilini engiyilungisele lona.

[5]Yathi inkosi: Msheshiseni uHamani ukuba kwenziwe njengezwi lika-Esteri. Base beya inkosi noHamani edilini alilungisileyo u-Esteri.

[6]Inkosi yathi ku-Esteri ngasedilini lewayini: Isicelo sakho siyini na? Uyakusenzelwa. Yini oyifunayo na? Kuyakwenziwa kuze kube nenxenye yombuso.

[7]Wayesephendula u-Esteri, ethi: Isicelo sami nengikufunayo nakhu:

[8]Uma ngifumene umusa emehlweni enkosi noma kukuhle enkosini ukunginika lokho engikucelayo nokwenza lokho engikufunayo, makuze inkosi noHamani

preparar amanhã, e, então, farei segundo o rei me concede.

[9] Então, saiu Hamã, naquele dia, alegre e de bom ânimo; quando viu, porém, Mordecai à porta do rei e que não se levantara, nem se movera diante dele, então, se encheu de furor contra Mordecai.

[10] Hamã, porém, se conteve e foi para casa; e mandou vir os seus amigos e a Zeres, sua mulher.

[11] Contou-lhes Hamã a glória das suas riquezas e a multidão de seus filhos, e tudo em que o rei o tinha engrandecido, e como o tinha exaltado sobre os príncipes e servos do rei.

[12] Disse mais Hamã: A própria rainha Ester a ninguém fez vir com o rei ao banquete que tinha preparado, senão a mim; e também para amanhã estou convidado por ela, juntamente com o rei.

[13] Porém tudo isto não me satisfaz, enquanto vir o judeu Mordecai assentado à porta do rei.

[14] Então, lhe disse Zeres, sua mulher, e todos os seus amigos: Faça-se uma forca de cinqüenta côvados de altura, e, pela manhã, dize ao rei que nela enforquem Mordecai; então, entra alegre com o rei ao banquete. A sugestão foi bem aceita por Hamã, que mandou levantar a forca.

edilini engiyakubalungisela lona; ngiyakwenza kusasa njengezwi lenkosi.

Ukuziphakamisa nokuthukuthela kukaHamani

[9] UHamani waphuma khona ngalolo suku, ethokoza enenhliziyo enhle; kepha lapho uHamani embona uMoridekayi esangweni lenkosi ukuthi akasukumanga, kanyakazanga ngaye, uHamani wagcwala ulaka ngoMoridekayi.

[10]Kepha uHamani wazibamba, waya ekhaya; wayesethuma, walanda abangane bakhe noZereshi umkakhe.

[11]UHamani wabalandisa udumo lwengcebo yakhe, nobuningi babantwana bakhe, nakho konke inkosi emkhulisile kukho, nalokho emphakamisile kukho phezu kwezikhulu nezinceku zenkosi.

[12]UHamani wathi futhi: U-Esteri, inkosikazi, akangenisanga muntu kanye nenkosi edilini alilungisileyo ngaphandle kwami; nakusasa mina ngimenyiwe nguye kanye nenkosi.

[13]Kepha konke lokho akunganelisi ngalutho kuso sonke isikhathi engilokhu ngibona ngaso uMoridekayi, umJuda, ehlezi esangweni lenkosi.

[14]Wayesethi uZereshi umkakhe nabo bonke abangane bakhe kuye: Yenza umuthi, ukuphakama kwawo kube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu, ukhulume ekuseni enkosini ukuba uMoridekayi aphanyekwe kuwo, besewungena ngokuthokoza kanye nenkosi edilini. Laba lihle lelo zwi kuHamani, wenza umuthi.

Ester 6

Hamã forçado a honrar a Mordecai

1 Naquela noite, o rei não pôde dormir; então, mandou trazer o Livro dos Feitos Memoráveis, e nele se leu diante do rei.

2 Achou-se escrito que Mordecai é quem havia denunciado a Bigtã e a Teres, os dois eunucos do rei, guardas da porta, que tinham procurado matar o rei Assuero.

3 Então, disse o rei: Que honras e distinções se deram a Mordecai por isso? Nada lhe foi conferido, responderam os servos do rei que o serviam.

4 Perguntou o rei: Quem está no pátio? Ora, Hamã tinha entrado no pátio exterior da casa do rei, para dizer ao rei que se enforcasse a Mordecai na forca que ele, Hamã, lhe tinha preparado.

5 Os servos do rei lhe disseram: Hamã está no pátio. Disse o rei que entrasse.

6 Entrou Hamã. O rei lhe disse: Que se fará ao homem a quem o rei deseja honrar? Então, Hamã disse consigo mesmo: De quem se agradaria o rei mais do que de mim para honrá-lo?

7 E respondeu ao rei: Quanto ao homem a quem agrada ao rei honrá-lo,

8 tragam-se as vestes reais, que o rei costuma usar, e o cavalo em que o rei

U-Esteri 6

Ukuphakanyiswa kukaMoridekayi

1 Ngalobo busuku ubuthongo babaleka enkosini, yayala ukuba kulethwe incwadi yezikhumbuzo zezindaba zemihla ngemihla, zafundwa phambi kwenkosi.

2 Kwafumaniseka kulotshiwe ukuthi uMoridekayi wayelandile ngoBigithani noThereshi izinduna ezimbili zenkosi, abalindisango, ukuthi babefunile ukubeka isandla enkosini u-Ahashiveroshi.

3Inkosi yathi: Ludumo luni nobukhulu buni okwenzelwe uMoridekayi ngalokho na? Zase zithi izinceku zenkosi ezaziyikhonza: Akenzelwanga lutho.

4 Yayisithi inkosi: Ngubani osegcekeni na? UHamani wayesandUkungena nje egcekeni elingaphandle lendlu yenkosi ukuba akhulume enkosini ngokuphanyekwa kukaMoridekayi emthini abemlungisele wona.

5Zathi-ke izinceku zenkosi kuyo: Bheka, uHamani umi egcekeni. Yathi inkosi: Makangene.

6Yayisithi inkosi kuye: Umuntu inkosi ethanda ukumdumisa wenzelwani na? UHamani wathi enhliziyweni yakhe: Ngubani inkosi ebiyakuthanda ukumenzela udumo ngaphandle kwami na?

7Wayesethi enkosini: Umuntu inkosi ethanda ukumenzela udumo

8makalethelwe isambatho sobukhosi ekade isembethe inkosi, kanye nehhashi

costuma andar montado, e tenha na cabeça a coroa real;

9 entreguem-se as vestes e o cavalo às mãos dos mais nobres príncipes do rei, e vistam delas aquele a quem o rei deseja honrar; levem-no a cavalo pela praça da cidade e diante dele apregoem: Assim se faz ao homem a quem o rei deseja honrar.

10 Então, disse o rei a Hamã: Apressa-te, toma as vestes e o cavalo, como disseste, e faze assim para com o judeu Mordecai, que está assentado à porta do rei; e não omitas coisa nenhuma de tudo quanto disseste.

11 Hamã tomou as vestes e o cavalo, vestiu a Mordecai, e o levou a cavalo pela praça da cidade, e apregoou diante dele: Assim se faz ao homem a quem o rei deseja honrar.

12 Depois disto, Mordecai voltou para a porta do rei; porém Hamã se retirou correndo para casa, angustiado e de cabeça coberta.

13 Contou Hamã a Zeres, sua mulher, e a todos os seus amigos tudo quanto lhe tinha sucedido. Então, os seus sábios e Zeres, sua mulher, lhe disseram: Se Mordecai, perante o qual já começaste a cair, é da descendência dos judeus, não prevalecerás contra ele; antes, certamente, cairás diante dele.

inkosi ekade ikhwela kulo nelifakwe enhloko yalo umqhele wobukhosi;

9isambatho nehhashi makunikezwe esandleni sesinye sezikhulu ezidumileyo ukuba zimembathise lowo muntu inkosi ethanda ukumdumisa, zimkhwelise ehhashini esigcawini somuzi, zimemeze phambi kwakhe ngokuthi: Uyakwenzelwa kanjalo umuntu inkosi ethanda ukumdumisa.

10Yayisithi inkosi kuHamani: Shesha, uthathe isambatho nehhashi njengokusho kwakho, wenze njalo kuMoridekayi, umJuda, ohlezi esangweni lenkosi. Makungaphuthi lutho lwakho konke okukhulumileyo.

11UHamani wathatha-ke isambatho nehhashi, wamembathisa uMoridekayi, wamkhwelisa esigcawini somuzi, wamemeza phambi kwakhe ngokuthi: Uyakwenzelwa kanjalo umuntu inkosi ethanda ukumdumisa.

12UMoridekayi wabuyela esangweni, kepha uHamani waphuthuma ekhaya ekhala, embozile ikhanda.

13UHamani walandisa uZereshi umkakhe nabo bonke abangane bakhe konke okumehleleyo. Zase zithi kuye izihlakaniphi zakhe noZereshi umkakhe: Uma uMoridekayi oqale ukuwa phambi kwakhe engowenzalo yabaJuda, awuyikumahlula, kepha uyakuwa nokuwa phambi kwakhe.

[14] Falavam estes ainda com ele quando chegaram os eunucos do rei e apressadamente levaram Hamã ao banquete que Ester preparara.

[14] Besakhuluma naye, zafika izinduna zenkosi, zashesha ukumyisa uHamani edilini u-Esteri alilungisileyo.

Ester 7

Ester denuncia a Hamã, que é enforcado

[1] Veio, pois, o rei com Hamã, para beber com a rainha Ester.

[2] No segundo dia, durante o banquete do vinho, disse o rei a Ester: Qual é a tua petição, rainha Ester? E se te dará. Que desejas? Cumprir-se-á ainda que seja metade do reino.

[3] Então, respondeu a rainha Ester e disse: Se perante ti, ó rei, achei favor, e se bem parecer ao rei, dê-se-me por minha petição a minha vida, e, pelo meu desejo, a vida do meu povo.

[4] Porque fomos vendidos, eu e o meu povo, para nos destruírem, matarem e aniquilarem de vez; se ainda como servos e como servas nos tivessem vendido, calar-me-ia, porque o inimigo não merece que eu moleste o rei.

[5] Então, falou o rei Assuero e disse à rainha Ester: Quem é esse e onde está esse cujo coração o instigou a fazer assim?

[6] Respondeu Ester: O adversário e inimigo é este mau Hamã. Então, Hamã se perturbou perante o rei e a rainha.

[7] O rei, no seu furor, se levantou do banquete do vinho e passou para o jardim

U-Esteri 7

Ukuwa kukaHamani

[1] Yafika-ke inkosi noHamani edilini lika-Esteri inkosikazi.

[2] Inkosi yabuye yathi ku-Esteri ngosuku lwesibili lwedili lewayini: Isicelo sakho siyini, nkosikazi Esteri, na? Uyakusenzelwa. Yini oyifunayo na? Kuyakwenziwa kuze kube nenxenye yombuso.

[3]Wayesephendula u-Esteri inkosikazi, ethi: Uma ngifumene umusa emehlweni akho, nkosi, noma kukuhle enkosini, mangiphiwe ukuphila kwami ngesicelo sami nokwesizwe sakithi ngokufuna kwami,

[4]ngokuba kuthengisiwe ngathi, mina nesizwe sakithi, ukuba sichithwe, sibulawe, sibhubhe. Uma bekuthengisiwe ngathi sibe yizigqila nezigqilakazi kuphela, ngabe ngithulile, ngokuba usizi lwethu alwanele ukuba sisinde inkosi.

[5]Yayisisho inkosi u-Ahashiveroshi, ithi ku-Esteri inkosikazi: Ngubani lo, uphi yena onesibindi sokwenza lokho na?

[6]U-Esteri wathi: Ngumuntu omelene nathi, oyisitha, uHamani lo omubi. UHamani wayeseshaywa luvalo phambi kwenkosi nenkosikazi.

[7]Yayisisukuma inkosi ngolaka lwayo edilini lewayini, yaya ensimini yendlu

do palácio; Hamã, porém, ficou para rogar por sua vida à rainha Ester, pois viu que o mal contra ele já estava determinado pelo rei.

8 Tornando o rei do jardim do palácio à casa do banquete do vinho, Hamã tinha caído sobre o divã em que se achava Ester. Então, disse o rei: Acaso, teria ele querido forçar a rainha perante mim, na minha casa? Tendo o rei dito estas palavras, cobriram o rosto de Hamã.

9 Então, disse Harbona, um dos eunucos que serviam o rei: Eis que existe junto à casa de Hamã a forca de cinqüenta côvados de altura que ele preparou para Mordecai, que falara em defesa do rei. Então, disse o rei: Enforcai-o nela.

10 Enforcaram, pois, Hamã na forca que ele tinha preparado para Mordecai. Então, o furor do rei se aplacou.

Ester 8

Os judeus são autorizados a resistir

1 Naquele mesmo dia, deu o rei Assuero à rainha Ester a casa de Hamã, inimigo dos judeus; e Mordecai veio perante o rei, porque Ester lhe fez saber que era seu parente.

2 Tirou o rei o seu anel, que tinha tomado a Hamã, e o deu a Mordecai. E Ester pôs a Mordecai por superintendente da casa de Hamã.

3 Falou mais Ester perante o rei e se lhe lançou aos pés; e, com lágrimas, lhe

yenkosi; uHamani wasukuma ukunxusa u-Esteri inkosikazi ngokuphila kwakhe, ngokuba wabona ukuthi usenqunyelwe okubi yinkosi.

8Inkosi isibuya ensimini yendlu yenkosi, ingene endlini yedili lewayini, uHamani wayesewele embhedeni u-Esteri ayekuwo. Yayisithi inkosi: Uyakuyiphoqa inkosikazi phambi kwami lapha endlini na? Lapho liphuma leli zwi emlonyeni wenkosi, bamboza ubuso bukaHamani.

9Wayesethi uHaribona, enye yezinduna ezaziphambi kwenkosi: Bheka, umuthi okuphakama kwawo kuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, uHamani ayewenzele uMoridekayi owakhuluma kahle ngenkosi, umi endlini kaHamani. Inkosi yathi: Mphanyekeni kuwo.

10Base bemphanyeka-ke uHamani emthini ayewulungisele uMoridekayi. Yayisibohla intukuthelo yenkosi.

U-Esteri 8

AbaJuda bavunyelwa ukuzilwela nokuphindisela

1 Ngalolo suku inkosi u-Ahashiveroshi yanika u-Esteri, inkosikazi, indlu kaHamani isitha sabaJuda. UMoridekayi weza phambi kwenkosi, ngokuba u-Esteri wayeselandile ukuthi uyini naye.

2 Inkosi yakhumula indandatho yayo ebiyisusile kuHamani, yayinika uMoridekayi. U-Esteri wambeka uMoridekayi phezu kwendlu kaHamani.

3U-Esteri waqhubeka wakhuluma phambi kwenkosi, wawa ngasezinyaweni zayo,

implorou que revogasse a maldade de Hamã, o agagita, e a trama que havia empreendido contra os judeus.

[4] Estendeu o rei para Ester o cetro de ouro. Então, ela se levantou, pôs-se de pé diante do rei

[5] e lhe disse: Se bem parecer ao rei, se eu achei favor perante ele, se esta coisa é reta diante do rei, e se nisto lhe agrado, escreva-se que se revoguem os decretos concebidos por Hamã, filho de Hamedata, o agagita, os quais ele escreveu para aniquilar os judeus que há em todas as províncias do rei.

[6] Pois como poderei ver o mal que sobrevirá ao meu povo? E como poderei ver a destruição da minha parentela?

[7] Então, disse o rei Assuero à rainha Ester e ao judeu Mordecai: Eis que dei a Ester a casa de Hamã, e a ele penduraram numa forca, porquanto intentara matar os judeus.

[8] Escrevei, pois, aos judeus, como bem vos parecer, em nome do rei, e selai-o com o anel do rei; porque os decretos feitos em nome do rei e que com o seu anel se selam não se podem revogar.

[9] Então, foram chamados, sem detença, os secretários do rei, aos vinte e três dias do mês de sivã, que é o terceiro mês. E, segundo tudo quanto ordenou Mordecai,

wakhala, wayinxusa ukuba ibususe ububi bukaHamani umAgagi necebo lakhe ayelicebe ngabaJuda.

[4] Inkosi yamelulela u-Esteri intonga yegolide. Wayesesukuma u-Esteri, wema phambi kwenkosi.

[5] Wathi: Uma kukuhle enkosini, noma ngifumene umusa phambi kwayo, noma le nto ilungile phambi kwenkosi, uma ngithandeka emehlweni ayo, makulotshwe ukuba zibuyiswe izincwadi zamacebo kaHamani indodana kaHamedatha umAgagi azilobayo ukuba bachithwe abaJuda abasezifundeni zenkosi;

[6]ngokuba ngingakubuka kanjani okubi okuyakufica isizwe sakithi, noma ngingakubuka kanjani ukuchithwa kwezihlobo zami na?

[7]Inkosi u-Ahashiveroshi yathi ku-Esteri, inkosikazi, nakuMoridekayi, umJuda: Bhekani, nginike u-Esteri indlu kaHamani; yena bamphanyekile emthini, ngokuba wabeka isandla sakhe kubaJuda.

[8] Kepha lobani nani ngabaJuda njengokuhle emehlweni enu egameni lenkosi, nikunamathelise ngendandatho yenkosi, ngokuba umbhalo obhalwe egameni lenkosi wanamatheliswa ngendandatho yenkosi awunakubuyiswa muntu.

[9] Abalobi benkosi babizwa ngaleso sikhathi ngenyanga yesithathu, eyinyanga kaSivani, ngolwamashumi amabili nantathu lwayo; kwalotshwa njengakho

se escreveu um edito para os judeus, para os sátrapas, para os governadores e para os príncipes das províncias que se estendem da Índia à Etiópia, cento e vinte e sete províncias, a cada uma no seu próprio modo de escrever, e a cada povo na sua própria língua; e também aos judeus segundo o seu próprio modo de escrever e a sua própria língua.

konke uMoridekayi ayala ngakho abaJuda, nawothulasizwe, nababusi, nezikhulu zezifunda, kusukela e-Indiya kuze kufike eKushe, izifunda eziyikhulu namashumi amabili nesikhombisa, izifunda ngezifunda njengokubhala kwazo, nezizwe ngezizwe njengolimi lwazo, nabaJuda njengokubhala kwabo nanjengolimi lwabo.

[10] Escreveu-se em nome do rei Assuero, e se selou com o anel do rei; as cartas foram enviadas por intermédio de correios montados em ginetes criados na coudelaria do rei.

[10]Waloba egameni lenkosi u-Ahashiveroshi, wakunamathelisa ngendandatho yenkosi, wazithuma izincwadi ngesandla sezigijimi zamahhashi, zigibela amahhashi anejubane, amahhashi enkosi akhethekileyo,

[11] Nelas, o rei concedia aos judeus de cada cidade que se reunissem e se dispusessem para defender a sua vida, para destruir, matar e aniquilar de vez toda e qualquer força armada do povo da província que viessem contra eles, crianças e mulheres, e que se saqueassem os seus bens,

[11]inkosi eyavumela ngakho abaJuda ababesemizini ngemizi ukuba babuthane, bamele ukuphila kwabo, bachithe, babulale, babhubhise onke amabutho abantu nawesifunda abahlaselayo, izingane nabesifazane, impahla yabo ibe yimpango,

[12] num mesmo dia, em todas as províncias do rei Assuero, no dia treze do duodécimo mês, que é o mês de adar.

[12]ngosuku oluthile ezifundeni zonke zenkosi u-Ahashiveroshi, ngolweshumi nantathu lwenyanga yeshumi nambili eyinyanga ka-Adari.

[13] A carta, que determinava a proclamação do edito em todas as províncias, foi enviada a todos os povos, para que os judeus se preparassem para aquele dia, para se vingarem dos seus inimigos.

[13] Impinda yokulotshiweyo yanikwa ukuba ibe yisimemezelo ezifundeni zonke, kumenyezelwe kubantu bonke ukuba abaJuda bazilungiselele lolo suku, baziphindisele ezitheni zabo.

[14] Os correios, montados em ginetes que se usavam no serviço do rei, saíram incontinenti, impelidos pela ordem do rei;

[14]Zase ziphuma izigijimi zigibele amahhashi anejubane, amahhashi enkosi, zisheshiswa ziqhutshwa yizwi lenkosi;

e o edito foi publicado na cidadela de Susã.

[15] Então, Mordecai saiu da presença do rei com veste real azul-celeste e branco, como também com grande coroa de ouro e manto de linho fino e púrpura; e a cidade de Susã exultou e se alegrou.

[16] Para os judeus houve felicidade, alegria, regozijo e honra.

[17] Também em toda província e em toda cidade aonde chegava a palavra do rei e a sua ordem, havia entre os judeus alegria e regozijo, banquetes e festas; e muitos, dos povos da terra, se fizeram judeus, porque o temor dos judeus tinha caído sobre eles.

Ester 9

Os judeus matam aos seus inimigos

[1] No dia treze do duodécimo mês, que é o mês de adar, quando chegou a palavra do rei e a sua ordem para se executar, no dia em que os inimigos dos judeus contavam assenhorear-se deles, sucedeu o contrário, pois os judeus é que se assenhorearam dos que os odiavam;

[2] porque os judeus, nas suas cidades, em todas as províncias do rei Assuero, se ajuntaram para dar cabo daqueles que lhes procuravam o mal; e ninguém podia resistir-lhes, porque o terror que inspiravam caiu sobre todos aqueles povos.

umthetho washaywa eShushani endlini yenkosi.

[15]Wayesephuma uMoridekayi ebusweni benkosi embethe isambatho sobukhosi esiluhlaza nesimhlophe, enomqhele omkhulu wegolide nengubo yelineni elicolekileyo nebubende; umuzi waseShushani wajabula, wathokoza.

[16]AbaJuda base benakho ukukhanya, nokuthokoza, nokujabula, nodumo.

[17] Ezifundeni zonke nasemizini yonke lapho kufika khona izwi lenkosi nomthetho wayo, abaJuda babe nokuthokoza nokujabula, nedili, nosuku oluhle. Abezizwe abaningi baphenduka abaJuda, ngokuba babehlelwe yingebhe ngabaJuda.

U-Esteri 9

Impindiselo yabaJuda

[1] Ngenyanga yeshumi nambili eyinyanga ka-Adari ngosuku lweshumi nantathu lwayo, lapho kusondela izwi lenkosi nomthetho wayo ukuba kwenziwe, ngosuku izitha zabaJuda ezazethembile ngalo ukubusa phezu kwabo nokho kwaguqulwa ukuze abaJuda babuse phezu kwababazondayo.

[2]AbaJuda babuthana emizini yabo ezifundeni zonke zenkosi u-Ahashiveroshi ukuba babeke izandla kulabo ababefuna ukubalimaza; akubangakho ongamelana nabo, ngokuba abantu bonke babehlelwe yingebhe ngabo.

[3] Todos os príncipes das províncias, e os sátrapas, e os governadores, e os oficiais do rei auxiliavam os judeus, porque tinha caído sobre eles o temor de Mordecai.

[4] Porque Mordecai era grande na casa do rei, e a sua fama crescia por todas as províncias; pois ele se ia tornando mais e mais poderoso.

[5] Feriram, pois, os judeus a todos os seus inimigos, a golpes de espada, com matança e destruição; e fizeram dos seus inimigos o que bem quiseram.

[6] Na cidadela de Susã, os judeus mataram e destruíram a quinhentos homens,

[7] como também a Parsandata, a Dalfom, a Aspata,

[8] a Porata, a Adalia, a Aridata,

[9] a Farmasta, a Arisai, a Aridai e a Vaizata,

[10] que eram os dez filhos de Hamã, filho de Hamedata, o inimigo dos judeus; porém no despojo não tocaram.

[11] No mesmo dia, foi comunicado ao rei o número dos mortos na cidadela de Susã.

[12] Disse o rei à rainha Ester: Na cidadela de Susã, mataram e destruíram os judeus a quinhentos homens e os dez filhos de Hamã; nas mais províncias do rei, que terão eles feito? Qual é, pois, a tua

[3]Zonke izikhulu zezifunda, nawothulasizwe, nababusi, nabenza umsebenzi wenkosi, babasiza abaJuda, ngokuba babehlelwe yingebhe ngoMoridekayi.

[4] Ngokuba uMoridekayi wayemkhulu endlini yenkosi, nodumo lwakhe lwahamba ezifundeni zonke, ngokuba lowo muntu uMoridekayi wayelokhu ekhula njalo.

[5]AbaJuda baceka zonke izitha zabo ngokuceka kwenkemba, nangokubulala, nangokuchitha, benza kwababazondayo njengokuthanda kwabo.

[6]EShushani endlini yenkosi abaJuda babulala, bachitha abantu abangamakhulu ayisihlanu.

[7]Babulala noParishanidatha, noDalifoni, no-Asiphatha,

[8]noPhoratha, no-Adaliya, no-Aridatha,

[9]noPharimashita, no-Arisayi, no-Aridayi, noVayizatha,

[10]amadodana ayishumi kaHamani indodana kaHamedatha, isitha sabaJuda, kepha ababekanga izandla zabo empangweni.

[11]Ngalolo suku inani lababuleweyo eShushani endlini yenkosi lalethwa phambi kwenkosi.

[12] Inkosi yayisithi ku-Esteri inkosikazi: AbaJuda babulele bachitha abantu abangamakhulu ayisihlanu eShushani endlini yenkosi namadodana ayishumi kaHamani; pho, benzeni kwezinye izifunda zenkosi? Isicelo sakho siyini?

petição? E se te dará. Ou que é que desejas ainda? E se cumprirá.

13 Então, disse Ester: Se bem parecer ao rei, conceda-se aos judeus que se acham em Susã que também façam, amanhã, segundo o edito de hoje e dependurem em forca os cadáveres dos dez filhos de Hamã.

14 Então, disse o rei que assim se fizesse; publicou-se o edito em Susã, e dependuraram os cadáveres dos dez filhos de Hamã.

15 Reuniram-se os judeus que se achavam em Susã também no dia catorze do mês de adar, e mataram, em Susã, a trezentos homens; porém no despojo não tocaram.

A Festa de Purim

16 Também os demais judeus que se achavam nas províncias do rei se reuniram, e se dispuseram para defender a vida, e tiveram sossego dos seus inimigos; e mataram a setenta e cinco mil dos que os odiavam; porém no despojo não tocaram.

17 Sucedeu isto no dia treze do mês de adar; no dia catorze, descansaram e o fizeram dia de banquetes e de alegria.

18 Os judeus, porém, que se achavam em Susã se ajuntaram nos dias treze e catorze do mesmo; e descansaram no dia quinze e o fizeram dia de banquetes e de alegria.

Uyakusenzelwa. Yini oyifunayo na? Kuyakwenziwa.

13U-Esteri wathi: Uma kukuhle enkosini, abaJuda abaseShushani mabavunyelwe nakusasa ukwenza njengomthetho wanamuhla, aphanyekwe amadodana ayishumi kaHamani emthini.

14Inkosi yasho ukuba kwenziwe kanjalo; umthetho washaywa eShushani; bawaphanyeka amadodana ayishumi kaHamani.

15AbaJuda ababe seShushani babuthana nangosuku lweshumi nane lwenyanga ka-Adari, babulala abantu abangamakhulu amathathu eShushani, kepha ababekanga izandla zabo empangweni.

16Abanye abaJuda ababe sezifundeni zenkosi babuthana, bamela ukuphila kwabo, baphumula ezitheni zabo, babulala abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nanhlanu ababazondayo, kepha ababekanga izandla zabo empangweni.

17Lokho kwakungosuku lweshumi nantathu lwenyanga ka-Adari; ngosuku lweshumi nane lwayo baphumula, balwenza lwaba lusuku lwedili nolokuthokoza.

18Kepha abaJuda ababe seShushani babuthana ngolweshumi nantathu lwayo nangolweshumi nane lwayo; ngolweshumi nanhlanu lwayo baphumula, balwenza lwaba lusuku lwedili nolokuthokoza.

[19] Também os judeus das vilas que habitavam nas aldeias abertas fizeram do dia catorze do mês de adar dia de alegria e de banquetes e dia de festa e de mandarem porções dos banquetes uns aos outros.

[20] Mordecai escreveu estas coisas e enviou cartas a todos os judeus que se achavam em todas as províncias do rei Assuero, aos de perto e aos de longe,

[21] ordenando-lhes que comemorassem o dia catorze do mês de adar e o dia quinze do mesmo, todos os anos,

[22] como os dias em que os judeus tiveram sossego dos seus inimigos, e o mês que se lhes mudou de tristeza em alegria, e de luto em dia de festa; para que os fizessem dias de banquetes e de alegria, e de mandarem porções dos banquetes uns aos outros, e dádivas aos pobres.

[23] Assim, os judeus aceitaram como costume o que, naquele tempo, haviam feito pela primeira vez, segundo Mordecai lhes prescrevera;

[24] porque Hamã, filho de Hamedata, o agagita, inimigo de todos os judeus, tinha intentado destruir os judeus; e tinha lançado o Pur, isto é, sortes, para os assolar e destruir.

[25] Mas, tendo Ester ido perante o rei, ordenou ele por cartas que o seu mau intento, que assentara contra os judeus,

[19]Ngalokho abaJuda basemaphandleni ababehlezi emizaneni engabiyelwe benza usuku lweshumi nane lwenyanga ka-Adari lube ngolokuthokoza nolwedili nosuku oluhle nolokuthumelana izipho omunye komunye.

Umkhosi wePhurimi

[20]UMoridekayi waziloba lezo zindaba, wathuma izincwadi kubo bonke abaJuda ababe sezifundeni zonke zenkosi u-Ahashiveroshi, abaseduze nabakude,

[21]ukumisa ukuba bagcine usuku lweshumi nane lwenyanga ka-Adari nosuku lweshumi nanhlanu lwayo iminyaka yonke

[22]njengezinsuku abaJuda abathola ngazo ukuphumula ezitheni zabo nenyanga eyaguqulwa kubo osizini yaba ngeyokuthokoza nasekulileni kwaba lusuku oluhle, bazenze zibe yizinsuku zedili nezokuthokoza nezokuthumelana izipho omunye komunye, kanye nezipho kwabampofu.

[23]AbaJuda bakwamukela ukwenza lokho abakuqalileyo, nalokho ayekulobe kubo uMoridekayi,

[24] ngokuba uHamani indodana kaHamedatha umAgagi, isitha sabo bonke abaJuda, wayecebile ngabaJuda ukuba abachithe, waphonsa iPhure elinyinkatho ukuba abanqobe, abachithe;

[25]kepha lapho lokho kwafika phambi kwenkosi, yasho ngencwadi ukuba lelo cebo elibi ayelicebe ngabaJuda libuyele

recaísse contra a própria cabeça dele, pelo que enforcaram a ele e a seus filhos.

[26] Por isso, àqueles dias chamam Purim, do nome Pur. Daí, por causa de todas as palavras daquela carta, e do que testemunharam, e do que lhes havia sucedido,

[27] determinaram os judeus e tomaram sobre si, sobre a sua descendência e sobre todos os que se chegassem a eles que não se deixaria de comemorar estes dois dias segundo o que se escrevera deles e segundo o seu tempo marcado, todos os anos;

[28] e que estes dias seriam lembrados e comemorados geração após geração, por todas as famílias, em todas as províncias e em todas as cidades, e que estes dias de Purim jamais caducariam entre os judeus, e que a memória deles jamais se extinguiria entre os seus descendentes.

[29] Então, a rainha Ester, filha de Abiail, e o judeu Mordecai escreveram, com toda a autoridade, segunda vez, para confirmar a carta de Purim.

[30] Expediram cartas a todos os judeus, às cento e vinte e sete províncias do reino de Assuero, com palavras amigáveis e sinceras,

[31] para confirmar estes dias de Purim nos seus tempos determinados, como o judeu Mordecai e a rainha Ester lhes tinham estabelecido, e como eles mesmos já o tinham estabelecido sobre si e sobre a sua

ekhanda lakhe, yena namadodana akhe baphanyekwe emthini.

[26]Ngalokho babiza lezo zinsuku ngokuthi iPhurimi ngegama lePhure. Ngalokho ngenxa yawo onke amazwi aleyo ncwadi, nangenxa yalokho abebekubonile ngale ndaba, nalokho okubehleleyo,

[27]abaJuda banquma bamukela, bona nenzalo yabo, nabo bonke ababezihlanganisa nabo, ukuthi bayakugcina lezo zinsuku zombili njengokubhalwa kwazo nanjengesikhathi sazo esinqunyiweyo iminyaka yonke, bangaphuthi,

[28]zikhunjulwe lezo zinsuku, zigcinwe ezizukulwaneni ngezizukulwane, emindenini ngemindeni, ezifundeni ngezifunda, emizini ngemizi, lezo zinsuku zePhurimi, zingaphuthi phakathi kwabaJuda, nesikhumbuzo sazo singapheli enzalweni yabo.

[29]U-Esteri inkosikazi, indodakazi ka-Abihayili, noMoridekayi umJuda base beloba ngamandla onke ukuba baqinise le ncwadi yesibili yePhurimi.

[30]Wathuma izincwadi kubo bonke abaJuda ezifundeni eziyikhulu namashumi amabili nesikhombisa zombuso ka-Ahashiveroshi, zinamazwi okuthula neqiniso,

[31]ukuba aqinise lezo zinsuku zePhurimi ngezikhathi zazo ezinqunyiweyo njengokuzimisa kukaMoridekayi umJuda no-Esteri inkosikazi, nanjengalokho

descendência, acerca do jejum e do seu lamento.

[32] E o mandado de Ester estabeleceu estas particularidades de Purim; e se escreveu no livro.

Ester 10

O renome de Mordecai

[1] Depois disto, o rei Assuero impôs tributo sobre a terra e sobre as terras do mar.

[2] Quanto aos mais atos do seu poder e do seu valor e ao relatório completo da grandeza de Mordecai, a quem o rei exaltou, porventura, não estão escritos no Livro da História dos Reis da Média e da Pérsia?

[3] Pois o judeu Mordecai foi o segundo depois do rei Assuero, e grande para com os judeus, e estimado pela multidão de seus irmãos, tendo procurado o bem-estar do seu povo e trabalhado pela prosperidade de todo o povo da sua raça.

bezimisele bona nenzalo yabo ngendaba yokuzila ukudla nokukhala kwabo.

[32]Izwi lika-Esteri laqinisa lezo zindaba zePhurimi, kwalotshwa encwadini.

U-Esteri 10

Amandla kaMoridekayi

[1]Inkosi u-Ahashiveroshi yathelisa izwe neziqhingi zolwandle.

[2]Zonke izenzo zegunya lakhe namandla akhe, nayo yonke indaba yobukhulu bukaMoridekayi inkosi eyayimkhulisela kubo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi aseMediya nasePheresiya na?

[3]Ngokuba uMoridekayi, umJuda, wayelama inkosi u-Ahashiveroshi ngobukhulu, emkhulu phakathi kwabaJuda, ethokozelwa ngabafowabo abaningi, efuna okuhle kwesizwe sakubo, ekhuluma ukuthula kuyo yonke inzalo yabo.

O livro de Jó

Jó 1

A virtude e riqueza de Jó

[1] Havia um homem na terra de Uz, cujo nome era Jó; homem íntegro e reto, temente a Deus e que se desviava do mal.

[2] Nasceram-lhe sete filhos e três filhas.

[3] Possuía sete mil ovelhas, três mil camelos, quinhentas juntas de bois e quinhentas jumentas; era também mui numeroso o pessoal ao seu serviço, de maneira que este homem era o maior de todos os do Oriente.

[4] Seus filhos iam às casas uns dos outros e faziam banquetes, cada um por sua vez, e mandavam convidar as suas três irmãs a comerem e beberem com eles.

[5] Decorrido o turno de dias de seus banquetes, chamava Jó a seus filhos e os santificava; levantava-se de madrugada e oferecia holocaustos segundo o número de todos eles, pois dizia: Talvez tenham pecado os meus filhos e blasfemado contra Deus em seu coração. Assim o fazia Jó continuamente.

[6] Num dia em que os filhos de Deus vieram apresentar-se perante o SENHOR, veio também Satanás entre eles.

UJobe

UJobe 1

Isimo sikaJobe; ukuhlupheka kwakhe nokubekezela kwakhe

[1] Kwakukhona umuntu ezweni lase-Uzi ogama lakhe lalinguJobe; lowo muntu wayengenasici elungile, wayemesaba uNkulunkulu, wabalekela okubi.

[2]Wazala amadodana ayisikhombisa namadodakazi amathathu.

[3]Impahla yakhe yayiyizimvu eziyizinkulungwane eziyisikhombisa, namakamela ayizinkulungwane ezintathu, namabhangqa angamakhulu ayisihlanu ezinkabi, nezimbongolo zezinsikazi ezingamakhulu ayisihlanu, nezinceku eziningi kakhulu; wayemkhulu lowo muntu kunabo bonke abantu basempumalanga.

[4]Amadodana akhe ayehamba enza idili endlini yaleyo naleyo ngosuku lwayo; ayesethuma ebiza odadewabo abathathu ukuba badle, baphuze nawo.

[5]Kwathi lapho seziphelile izinsuku zedili lawo, uJobe wathuma wawangcwelisa, wavuka ekuseni, wanikela ngeminikelo yokushiswa njengomumo wawo onke; ngokuba uJobe wathi: Mhlawumbe amadodana ami onile, amthukile uNkulunkulu ezinhliziyweni zawo. Wenze njalo uJobe imihla yonke.

[6]Kwathi ngelinye ilanga kwafika amadodana kaNkulunkulu ema phambi kukaJehova, kwafika noSathane phakathi kwawo.

[7] Então, perguntou o SENHOR a Satanás: Donde vens? Satanás respondeu ao SENHOR e disse: De rodear a terra e passear por ela.

[8] Perguntou ainda o SENHOR a Satanás: Observaste o meu servo Jó? Porque ninguém há na terra semelhante a ele, homem íntegro e reto, temente a Deus e que se desvia do mal.

[9] Então, respondeu Satanás ao SENHOR: Porventura, Jó debalde teme a Deus?

[10] Acaso, não o cercaste com sebe, a ele, a sua casa e a tudo quanto tem? A obra de suas mãos abençoaste, e os seus bens se multiplicaram na terra.

[11] Estende, porém, a mão, e toca-lhe em tudo quanto tem, e verás se não blasfema contra ti na tua face.

[12] Disse o SENHOR a Satanás: Eis que tudo quanto ele tem está em teu poder; somente contra ele não estendas a mão. E Satanás saiu da presença do SENHOR.

As aflições e a paciência de Jó

[13] Sucedeu um dia, em que seus filhos e suas filhas comiam e bebiam vinho na casa do irmão primogênito,

[14] que veio um mensageiro a Jó e lhe disse: Os bois lavravam, e as jumentas pasciam junto a eles;

[15] de repente, deram sobre eles os sabeus, e os levaram, e mataram aos servos a fio de espada; só eu escapei, para trazer-te a nova.

[7] UJehova wayesethi kuSathane: Uvelaphi na? USathane wamphendula uJehova, wathi: Ekuzuleni emhlabeni nasekuhambahambeni kuwo.

[8]Wayesethi uJehova kuSathane: Inhliziyo yakho iyiqaphele inceku yami uJobe na? Ngokuba akakho onjengaye emhlabeni, umuntu ongenasici nolungileyo, omesaba uNkulunkulu, obalekela okubi.

[9]USathane wamphendula uJehova, wathi: UJobe uyamesaba uNkulunkulu ngeze na?

[10]Wena awumbiyelanga yini yena nendlu yakhe nakho konke okwakhe nxazonke, wabusisa umsebenzi wezandla zakhe na? Impahla yakhe yandile emhlabeni.

[11]Kepha ake welule isandla sakho, uthinte konke anakho, impela uyakukuthuka ebusweni bakho.

[12]Wathi uJehova kuSathane: Bheka, konke anakho kusesandleni sakho; kuphela kuyena uqobo ungabeki isandla sakho. Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova.

[13]Kwathi ngolunye usuku lapho amadodana akhe namadodakazi akhe edla, ephuza iwayini endlini yomfowabo oyizibulo,

[14]kwafika isithunywa kuJobe, sathi: Izinkabi bezilima, izimbongolo ziklabile eceleni kwazo,

[15]lapho amaSheba etheleka, azithatha; izinceku azibulele ngosiko lwenkemba; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

[16] Falava este ainda quando veio outro e disse: Fogo de Deus caiu do céu, e queimou as ovelhas e os servos, e os consumiu; só eu escapei, para trazer-te a nova.

[17] Falava este ainda quando veio outro e disse: Dividiram-se os caldeus em três bandos, deram sobre os camelos, os levaram e mataram aos servos a fio de espada; só eu escapei, para trazer-te a nova.

[18] Também este falava ainda quando veio outro e disse: Estando teus filhos e tuas filhas comendo e bebendo vinho, em casa do irmão primogênito,

[19] eis que se levantou grande vento do lado do deserto e deu nos quatro cantos da casa, a qual caiu sobre eles, e morreram; só eu escapei, para trazer-te a nova.

[20] Então, Jó se levantou, rasgou o seu manto, rapou a cabeça e lançou-se em terra e adorou;

[21] e disse: Nu saí do ventre de minha mãe e nu voltarei; o SENHOR o deu e o SENHOR o tomou; bendito seja o nome do SENHOR!

[22] Em tudo isto Jó não pecou, nem atribuiu a Deus falta alguma.

Jó 2

[1] Num dia em que os filhos de Deus vieram apresentar-se perante o SENHOR, veio também Satanás entre eles apresentar-se perante o SENHOR.

[16]Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: Umlilo kaNkulunkulu uwile ezulwini, washisa izimvu nezinceku, waziqeda; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

[17]Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: AmaKaledi enza amaviyo amathathu, ahlasela amakamela, awathatha, azibulala izinceku ngosiko lwenkemba; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

[18]Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: Amadodana akho namadodakazi akho ayedla, ephuza iwayini endlini yomfowabo oyizibulo;

[19]bheka, kwafika, kwadabula ihlane umoya omkhulu, washaya amagumbi omane endlu, yawa phezu kwezinsizwa, zafa; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

[20]Wayesesukuma uJobe, waklebhula ingubo yakhe, waphucula ikhanda lakhe, wawela emhlabathini, wakhuleka,

[21] wathi: Ngaphuma ngize esizalweni sikamame; ngiyakubuyela khona ngize; uJehova wapha, uJehova uthathile; malibongwe igama likaJehova.

[22]Kukho konke lokho uJobe akonanga, akamthelanga uNkulunkulu okubi.

UJobe 2

UJobe uyalingwa futhi; ukubekezela kwakhe

[1]Kwathi futhi ngelinye ilanga afika amadodana kaNkulunkulu, ema phambi kukaJehova; noSathane wafika phakathi kwawo ukuba eme phambi kukaJehova.

[2] Então, o SENHOR disse a Satanás: Donde vens? Respondeu Satanás ao SENHOR e disse: De rodear a terra e passear por ela.

[3] Perguntou o SENHOR a Satanás: Observaste o meu servo Jó? Porque ninguém há na terra semelhante a ele, homem íntegro e reto, temente a Deus e que se desvia do mal. Ele conserva a sua integridade, embora me incitasses contra ele, para o consumir sem causa.

[4] Então, Satanás respondeu ao SENHOR: Pele por pele, e tudo quanto o homem tem dará pela sua vida.

[5] Estende, porém, a mão, toca-lhe nos ossos e na carne e verás se não blasfema contra ti na tua face.

[6] Disse o SENHOR a Satanás: Eis que ele está em teu poder; mas poupa-lhe a vida.

[7] Então, saiu Satanás da presença do SENHOR e feriu a Jó de tumores malignos, desde a planta do pé até ao alto da cabeça.

[8] Jó, sentado em cinza, tomou um caco para com ele raspar-se.

[9] Então, sua mulher lhe disse: Ainda conservas a tua integridade? Amaldiçoa a Deus e morre.

[10] Mas ele lhe respondeu: Falas como qualquer doida; temos recebido o bem de Deus e não receberíamos também o mal? Em tudo isto não pecou Jó com os seus lábios.

[2]UJehova wathi kuSathane: Uvelaphi na? USathane wamphendula uJehova, wathi: Ekuzuleni emhlabeni nasekuhambahambeni kuwo.

[3]Wayesethi uJehova kuSathane: Inhliziyo yakho iyiqaphele inceku yami uJobe na? Ngokuba akakho onjengaye emhlabeni, umuntu ongenasici nolungileyo, omesaba uNkulunkulu, obalekela okubi; usabambelela ekupheleleni kwakhe, noma ungivusele ukumchitha engenacala.

[4]USathane wamphendula uJehova, wathi: Isikhumba ngesikhumba, yebo, konke umuntu anakho uyakunika ngokuphila kwakhe.

[5]Kepha ake welule isandla sakho, uthinte amathambo akhe nenyama yakhe, impela uyakukuthuka ebusweni bakho.

[6]UJehova wayesethi kuSathane: Bheka, usesandleni sakho; gcina ukuphila kwakhe kodwa.

[7]Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova, wamshaya uJobe ngamathumba amabi, kusukela ematheni onyawo kuze kufike okhakhayini.

[8]Wathatha udengezi ukuzozenwaya ngalo; wayehlezi phakathi komlotha.

[9]Wayesethi umkakhe kuye: Usabambelela ekupheleleni kwakho na? Thuka uNkulunkulu, ufe.

[10]Kepha wathi kuye: Ukhuluma njengalokhu owesifazane oyisiwula ekhuluma. Siyakwamukela okuhle kuphela kuNkulunkulu, singamukeli

[11] Ouvindo, pois, três amigos de Jó todo este mal que lhe sobreviera, chegaram, cada um do seu lugar: Elifaz, o temanita, Bildade, o suíta, e Zofar, o naamatita; e combinaram ir juntamente condoer-se dele e consolá-lo.

[12] Levantando eles de longe os olhos e não o reconhecendo, ergueram a voz e choraram; e cada um, rasgando o seu manto, lançava pó ao ar sobre a cabeça.

[13] Sentaram-se com ele na terra, sete dias e sete noites; e nenhum lhe dizia palavra alguma, pois viam que a dor era muito grande.

Jó 3

Jó amaldiçoa o seu nascimento

[1] Depois disto, passou Jó a falar e amaldiçoou o seu dia natalício.

[2] Disse Jó:

[3] Pereça o dia em que nasci e a noite em que se disse: Foi concebido um homem!

[4] Converta-se aquele dia em trevas; e Deus, lá de cima, não tenha cuidado dele, nem resplandeça sobre ele a luz.

[5] Reclamem-no as trevas e a sombra de morte; habitem sobre ele nuvens; espante-o tudo o que pode enegrecer o dia.

nokubi, na? Kukho konke lokho uJobe akonanga ngomlomo wakhe.

[11] Lapho abangane abathathu bakaJobe sebezwe ngakho konke lokho okubi okumehleleyo, bafika kuye bevela, kwaba yilowo nalowo endaweni yakhe: ngu-Elifazi umThemani, noBilidadi umShuhi, noSofari umNahama; bavumelana ukuba baye bamkhalele, bamduduze.

[12]Lapho bephakamisa amehlo abo besekude, abamazanga; badazuluka bakhala, baklebhula, kwaba yilowo nalowo ingubo yakhe, bafafaza amakhanda abo ngothuli beluphonsa phezulu.

[13] Bahlala phansi naye emhlabathini izinsuku eziyisikhombisa nobusuku obuyisikhombisa, akukhulumanga muntu kuye, ngokuba babona ukuthi usizi lwakhe lwalulukhulu kakhulu.

UJobe 3

[15] Chamar-me-ias, e eu te responderia; terias saudades da obra de tuas mãos;

[15]Ubuyakubiza, mina ngiphendule; ubuyakulangazelela umsebenzi wezandla zakho,

[16] e até contarias os meus passos e não levarias em conta os meus pecados.

[16]yebo, khona ubuyakubala izinyathelo zami, ungaqapheli isono sami.

[17] A minha transgressão estaria selada num saco, e terias encoberto as minhas iniqüidades.

[17]Isiphambeko besiyakuvalelwa esikhwameni, besewusibekela ukona kwami.

18 Como o monte que se esboroa e se desfaz, e a rocha que se remove do seu lugar,

19 como as águas gastam as pedras, e as cheias arrebatam o pó da terra, assim destróis a esperança do homem.

20 Tu prevaleces para sempre contra ele, e ele passa, mudas-lhe o semblante e o despedes para o além.

21 Os seus filhos recebem honras, e ele o não sabe; são humilhados, e ele o não percebe.

22 Ele sente as dores apenas de seu próprio corpo, e só a seu respeito sofre a sua alma.

Jó 15

Elifaz acusa a Jó de impiedade

1 Então, respondeu Elifaz, o temanita:

2 Porventura, dará o sábio em resposta ciência de vento? E encher-se-á a si mesmo de vento oriental,

3 argüindo com palavras que de nada servem e com razões de que nada aproveita?

4 Tornas vão o temor de Deus e diminuis a devoção a ele devida.

5 Pois a tua iniqüidade ensina à tua boca, e tu escolheste a língua dos astutos.

6 A tua própria boca te condena, e não eu; os teus lábios testificam contra ti.

18 Impela intaba iyawa, idilike; idwala liyasuswa endaweni yalo;

19amanzi ayagubha amatshe; ukuphuphuma kwawo kuyakhukhula uthuli lomhlaba; kanjalo uyachitha nethemba lomuntu.

20Uyamsukela kuze kube phakade, amuke; uyaguqula ubuso bakhe, ummukise.

21 Amadodana akhe ayadunyiswa, engazi yena; ayeyiswa, engakuqondi.

22Inyama yakhe iyezwa ubuhlungu bayo kuphela; umphefumulo wakhe uzidabukela wona kuphela.

UJobe 15

Inkulumo yesibili ka-Elifazi: uJobe uyazigabisa; akakho olungileyo; ababi bayakujeziswa

1Wayesethatha u-Elifazi umThemani, wathi:

2 Ohlakaniphileyo uyakuphendula ngokwazi okungumoya nje, agcwalise isisu ngomoya wasempumalanga, na?

3Aphikisane ngamazwi angasizi lutho nangezinkulumo ezingenalusizo na?

4Yebo, uyachitha ukwesaba, unciphisa ukuzindla phambi kukaNkulunkulu.

5Ngokuba ububi bakho buyafundisa umlomo wakho; ukhetha ulimi lwabanobuqili.

6Ngumlomo wakho okulahlayo, akusimi; izindebe zakho ziyafakaza ngawe.

[7] És tu, porventura, o primeiro homem que nasceu? Ou foste formado antes dos outeiros?

[8] Ou ouviste o secreto conselho de Deus e a ti só limitaste a sabedoria?

[9] Que sabes tu, que nós não saibamos? Que entendes, que não haja em nós?

[10] Também há entre nós encanecidos e idosos, muito mais idosos do que teu pai.

[11] Porventura, fazes pouco caso das consolações de Deus e das suaves palavras que te dirigimos nós?

[12] Por que te arrebata o teu coração? Por que flamejam os teus olhos,

[13] para voltares contra Deus o teu furor e deixares sair tais palavras da tua boca?

[14] Que é o homem, para que seja puro? E o que nasce de mulher, para ser justo?

[15] Eis que Deus não confia nem nos seus santos; nem os céus são puros aos seus olhos,

[16] quanto menos o homem, que é abominável e corrupto, que bebe a iniqüidade como a água!

Elifaz mostra o justo castigo dos perversos

[17] Escuta-me, mostrar-to-ei; e o que tenho visto te contarei,

[18] o que os sábios anunciaram, que o ouviram de seus pais e não o ocultaram

[19] (aos quais somente se dera a terra, e nenhum estranho passou por entre eles):

[20] Todos os dias o perverso é atormentado, no curto número de anos que se reservam para o opressor.

[7] Ungumuntu wokuqala owazalwayo na? Wavela ngaphambi kwezintaba na?

[8] Uzwile imfihlakalo kaNkulunkulu, wazigodlela wedwa ukuhlakanipha na?

[9]Wazini esingayazi thina na? Uqonda ntoni engekho kithina na?

[10] Kithina kukhona izimpunga namakhehla amadala kunoyihlo.

[11]Zincane yini kuwe izinduduzo zikaNkulunkulu, nezwi elikhulunywa kahle kuwe na?

[12]Umukiselwani yinhliziyo yakho na? Kungani ukuba amehlo akho aphayizele,

[13]uphendulele kuNkulunkulu ukufutheka kwakho, ukhiphe amazwi emlonyeni wakho na?

[14] Uyini umuntu ukuba abe ngohlambulukileyo, nozelwe ngowesifazane ukuba alungisiswe, na?

[15] Bheka, nabangcwele bakhe akabethembi, nezulu alihlambulukile emehlweni akhe;

[16]kakhulu kangakanani onengekayo nowonakeleyo, umuntu ophuza ukona njengamanzi, na?

[17] Ngiyakukwazisa, ungilalele; ngiyakukulandisa engikubonileyo

[18]lokho izihlakaniphi ezikubonakalisile, zikuthathe koyise, zingakufihlanga,

[19]zona ezaphiwa zodwa izwe, kungadabulanga kuzo umfokazi ngokuthi:

[20] Umuntu omubi uyazibinya imihla yonke, umumo weminyaka othukuselwe isidlwangudlwangu.

[21] O sonido dos horrores está nos seus ouvidos; na prosperidade lhe sobrevém o assolador.

[22] Não crê que tornará das trevas, e sim que o espera a espada.

[23] Por pão anda vagueando, dizendo: Onde está? Bem sabe que o dia das trevas lhe está preparado, à mão.

[24] Assombram-no a angústia e a tribulação; prevalecem contra ele, como o rei preparado para a peleja,

[25] porque estendeu a mão contra Deus e desafiou o Todo-Poderoso;

[26] arremete contra ele obstinadamente, atrás da grossura dos seus escudos,

[27] porquanto cobriu o rosto com a sua gordura e criou enxúndia nas ilhargas;

[28] habitou em cidades assoladas, em casas em que ninguém devia morar, que estavam destinadas a se fazerem montões de ruínas.

[29] Por isso, não se enriquecerá, nem subsistirá a sua fazenda, nem se estenderão seus bens pela terra.

[30] Não escapará das trevas; a chama do fogo secará os seus renovos, e ao assopro da boca de Deus será arrebatado.

[31] Não confie, pois, na vaidade, enganando-se a si mesmo, porque a vaidade será a sua recompensa.

[32] Esta se lhe consumará antes dos seus dias, e o seu ramo não reverdecerá.

[21] Izwi lengebhe lisezindlebeni zakhe; lapho ehlezi kahle, uyakufikelwa ngumphangi.

[22]Akethembi ukuthi uyakubuya ebumnyameni; uyalindelwa yinkemba.

[23] Uyazulazulela ukudla: kuphi na? Uyazi ukuthi usuku lobumnyama selungasesandleni sakhe.

[24]Ukuhlupheka nosizi kuyamethusa; kuyamahlula njengenkosi ezilungiselele impi,

[25]ngokuba waselulela isandla sakhe kuNkulunkulu, wazigabisa kuSomandla.

[26]Wamdumela ngentamo elukhuni, nangamaqhubu adumbileyo amahawu akhe,

[27] ngokuba wasibekela ubuso bakhe ngamafutha akhe, wenza umvingqi okhalweni lwakhe.

[28]Wahlala emizini ebiyakuchithwa, nasezindlini ebezingahlalwa, ezaziyakuba ngamanxiwa nje.

[29]Akayikuceba, nemfuyo yakhe ayiyikuma, nokudla kwakhe akuyikukhothamela phansi.

[30]Akayikusuka ebumnyameni; ilangabi liyakushisa amagatsha akhe, amuke ngokuphefumula komlomo kaNkulunkulu.

[31]Makangethembi ezeni, ezikhohlisa, ngokuba ize liyakuba ngumvuzo wakhe.

[32] Kuyakufezwa kungakabi yisikhathi, negatsha lakhe alisayikuba luhlaza.

[33] Sacudirá as suas uvas verdes, como a vide, e deixará cair a sua flor, como a oliveira;

[34] pois a companhia dos ímpios será estéril, e o fogo consumirá as tendas de suborno.

[35] Concebem a malícia e dão à luz a iniqüidade, pois o seu coração só prepara enganos.

[33]Uyakuvuthulula igwanya lakhe njengomvini, alahle imbali yakhe njengomnqumo.

[34]Ngokuba ibandla labangenaNkulunkulu liyakuba yinyumba, umlilo uqede amatende abathengwa ngemivuzo.

[35] Bakhulelwe ingozi, bazala ukona; isisu sabo silungisela inkohliso.

Jó 16

Jó se queixa do trato de Deus

[1] Então, respondeu Jó:

[2] Tenho ouvido muitas coisas como estas; todos vós sois consoladores molestos.

[3] Porventura, não terão fim essas palavras de vento? Ou que é que te instiga para responderes assim?

[4] Eu também poderia falar como vós falais; se a vossa alma estivesse em lugar da minha, eu poderia dirigir-vos um montão de palavras e menear contra vós outros a minha cabeça;

[5] poderia fortalecer-vos com as minhas palavras, e a compaixão dos meus lábios abrandaria a vossa dor.

[6] Se eu falar, a minha dor não cessa; se me calar, qual é o meu alívio?

[7] Na verdade, as minhas forças estão exaustas; tu, ó Deus, destruíste a minha família toda.

[8] Testemunha disto é que já me tornaste encarquilhado, a minha magreza já se

UJobe 16

UJobe uphendula inkulumo yesibili ka-Elifazi: uyahlupheka engenacala; ezulwini kukhona ufakazi

[1]Wayesephendula uJobe, wathi:

[2] Ngizwile izinto eziningi ezinjalo; nina nonke ningabaduduzi ababi.

[3]Amazwi angumoya nje awayikuphela yini? Ucunulwa yintoni ukuba uphendule na?

[4]Nami ngingakhuluma njengani; uma imiphefumulo yenu ibisesikhundleni somphefumulo wami, bengiyakuhlanganisa amazwi ngani, ngininikinele ikhanda lami.

[5]Benginganiqinisa ngomlomo, induduzo yezindebe zami inidambise.

[6] Noma ngikhuluma, ubuhlungu bami abudanjiswanga; noma ngiyeka, kuyini okumuka kimi na?

[7]Kepha manje ungikhathazile, uyichithile yonke indlu yami.

[8]Ungicindezele, kungubufakazi; ukonda kwami kuyangivukela, kufakaze ebusweni bami.

levanta contra mim e me acusa cara a cara.

[9] Na sua ira me despedaçou e tem animosidade contra mim; contra mim rangeu os dentes e, como meu adversário, aguça os olhos.

[10] Homens abrem contra mim a boca, com desprezo me esbofeteiam, e contra mim todos se ajuntam.

[11] Deus me entrega ao ímpio e nas mãos dos perversos me faz cair.

[12] Em paz eu vivia, porém ele me quebrantou; pegou-me pelo pescoço e me despedaçou; pôs-me por seu alvo.

[13] Cercam-me as suas flechas, atravessa-me os rins, e não me poupa, e o meu fel derrama na terra.

[14] Fere-me com ferimento sobre ferimento, arremete contra mim como um guerreiro.

[15] Cosi sobre a minha pele o cilício e revolvi o meu orgulho no pó.

[16] O meu rosto está todo afogueado de chorar, e sobre as minhas pálpebras está a sombra da morte,

[17] embora não haja violência nas minhas mãos, e seja pura a minha oração.

[18] Ó terra, não cubras o meu sangue, e não haja lugar em que se oculte o meu clamor!

[19] Já agora sabei que a minha testemunha está no céu, e, nas alturas, quem advoga a minha causa.

[9]Ulaka lwakhe luyangidwengula, lungizingele; uyangigedlela amazinyo; isitha sami singicijisela amehlo aso.

[10] Bangikhamisela imilomo yabo, bangimukula esihlathini ngenhlamba, bangihlanganyela.

[11]UNkulunkulu uyanginikela kubantu abonakeleyo, angiphonse esandleni sababi.

[12] Ngangihlezi kahle, wangichoboza; wangibamba ngentamo, wangiphahlaza; wangimisa ngibe yisigcibisholo.

[13]Abacibishelayo bakhe bangihaqa; uyaqhekeza izinso zami engenasihawu; uchithela inyongo yami emhlabathini.

[14]Uyangidiliza nokudiliza futhifuthi, angidumele njengeqhawe.

[15] Ngithungile indwangu yamasaka phezu kwesikhumba sami. ngingcolisile uphondo lwami othulini.

[16]Ubuso bami bubomvu ngokukhala; ezinkosheni zami kukhona ithunzi lokufa,

[17] noma kungekho ubudlova ezandleni zami nokukhuleka kwami kulungile.

[18]Mhlaba, ungathukusi igazi lami; ukukhala kwami makungabi nandawo.

[19]Namanje bheka, ufakazi wami usezulwini; ummeli wami usezindaweni eziphakemeyo.

[20] Os meus amigos zombam de mim, mas os meus olhos se desfazem em lágrimas diante de Deus,

[21] para que ele mantenha o direito do homem contra o próprio Deus e o do filho do homem contra o seu próximo.

[22] Porque dentro de poucos anos eu seguirei o caminho de onde não tornarei.

[20]Abangane bami bayangiklolodela; iso lami liphophoza izinyembezi kuNkulunkulu

[21]ukuba amphikele umuntu kuNkulunkulu nendodana yomuntu kumakhelwane wayo.

[22]Ngokuba iyingcosana iminyaka eyakubalwa, ngingakahambi indlela engingayikubuya kuyo.

Jó 17

Jó nada mais espera desta vida

[1] O meu espírito se vai consumindo, os meus dias se vão apagando, e só tenho perante mim a sepultura.

[2] Estou, de fato, cercado de zombadores, e os meus olhos são obrigados a lhes contemplar a provocação.

[3] Dá-me, pois, um penhor; sê o meu fiador para contigo mesmo; quem mais haverá que se possa comprometer comigo?

[4] Porque ao seu coração encobriste o entendimento, pelo que não os exaltarás.

[5] Se alguém oferece os seus amigos como presa, os olhos de seus filhos desfalecerão.

[6] Mas a mim me pôs por provérbio dos povos; tornei-me como aquele em cujo rosto se cospe.

[7] Pelo que já se escureceram de mágoa os meus olhos, e já todos os meus membros são como a sombra;

UJobe 17

Ukuphela kwenkulumo kaJobe: ucela ukumelwa nguNkulunkulu; ulindela ukufa

[1] Umoya wami usuchithekile, imihla yami iyacimeka; okwami sekuyithuna nje.

[2]Impela kukhona abangiklolodelayo, iso lami lisekucunuleni kwabo.

[3] Ake unginike isibambiso, ungimele; ngubani oyakuxhawulana nami na?

[4]Ngokuba uvalile izinhliziyo zabo zingaqondi; ngalokho awuyikubaphakamisa.

[5]Ochaka abangane bakhe ngenxa yesabelo, amehlo abantwana bakhe ayakufiphala.

[6] Ungibeke isaga sabantu, ngibe ngokhafulelwa ebusweni.

[7]Iso lami lifiphele ngosizi; onke amalungu ami anjengethunzi.

[8] os retos pasmam disto, e o inocente se levanta contra o ímpio.

[9] Contudo, o justo segue o seu caminho, e o puro de mãos cresce mais e mais em força.

[10] Mas tornai-vos, todos vós, e vinde cá; porque sábio nenhum acharei entre vós.

[11] Os meus dias passaram, e se malograram os meus propósitos, as aspirações do meu coração.

[12] Convertem-me a noite em dia, e a luz, dizem, está perto das trevas.

[13] Mas, se eu aguardo já a sepultura por minha casa; se nas trevas estendo a minha cama;

[14] se ao sepulcro eu clamo: tu és meu pai; e aos vermes: vós sois minha mãe e minha irmã,

[15] onde está, pois, a minha esperança? Sim, a minha esperança, quem a poderá ver?

[16] Ela descerá até às portas da morte, quando juntamente no pó teremos descanso.

Jó 18

Bildade descreve a sorte do perverso

[1] Então, respondeu Bildade, o suíta:

[2] Até quando andarás à caça de palavras? Considera bem, e, então, falaremos.

[8]Abaqotho bayethuswa yilokho; ongenacala uyavukela ongenaNkulunkulu.

[9]Kepha olungileyo ubambelela endleleni yakhe; onezandla ezihlanzekileyo ude eqina njalo.

[10]Nokho buyani nonke phela, nize; kodwa angiyikuthola phakathi kwenu ohlakaniphileyo.

[11]Imihla yami isidlulile, amasu ami anqunyiwe kanye nemicabango yami yenhliziyo.

[12]Ubusuku babenza imini, bathi: Ukukhanya kuseduze nobumnyama.

[13]Uma ngithemba ukuthi indawo yabafileyo iyindlu yami, ngendlalele ukhukho lwami ebumnyameni,

[14] ngibize ukubola ngokuthi ubaba nezimpethu ngokuthi umame nodadewethu,

[15]liphi, pho, ithemba lami na? Yebo, ithemba lami, ngubani oyakulibona na?

[16]Liyakwehlela emigoqweni yendawo yabafileyo, lapho kuyakuba khona ukuphumula othulini kanyekanye.

UJobe 18

Inkulumo yesibili kaBilidadi: ongenaNkulunkulu uyachithwa impela

[1]Wayesethatha uBilidadi umShuhi, wathi:

[2] Koze kube nini nibekela amazwi ami izingibe na? Qondani, andukuba sikhulume.

3 Por que somos reputados por animais, e aos teus olhos passamos por curtos de inteligência?

3Kungani ukuba sithiwe siyizilwane, singcolile emehlweni enu, na?

4 Oh! Tu, que te despedaças na tua ira, será a terra abandonada por tua causa? Remover-se-ão as rochas do seu lugar?

4Wena ozidwengula olakeni lwakho, umhlaba uyakushiywa ngenxa yakho, nedwala lisuswe endaweni yalo, na?

5 Na verdade, a luz do perverso se apagará, e para seu fogo não resplandecerá a faísca;

5 Yebo, nokukhanya komubi kuyakucimeka, nelangabi lomlilo wakhe aliyikukhanya.

6 a luz se escurecerá nas suas tendas, e a sua lâmpada sobre ele se apagará;

6Ukukhanya kuyakufiphala etendeni lakhe, nesibani sakhe phezu kwakhe siyakucimeka.

7 os seus passos fortes se estreitarão, e a sua própria trama o derribará.

7Izinyathelo zakhe ezinamandla ziyakufinyezwa; amasu akhe ayamlahla phansi.

8 Porque por seus próprios pés é lançado na rede e andará na boca de forje.

8Ngokuba uyaphonswa yizinyawo zakhe enetheni, uhamba phezu kweveku.

9 A armadilha o apanhará pelo calcanhar, e o laço o prenderá.

9Isicupho siyakumbamba ngesithende; ifolo liyakumbamba.

10 A corda está-lhe escondida na terra, e a armadilha, na vereda.

10Uthukuselwe inkintshela emhlabathini, nesihibe emgwaqweni.

11 Os assombros o espantarão de todos os lados e o perseguirão a cada passo.

11 Ingebhe iyakumethusa nxazonke; iyamzingela ezinyathelweni zakhe.

12 A calamidade virá faminta sobre ele, e a miséria estará alerta ao seu lado,

12Ububi buyakumlambela, ulungiselwe ingozi eceleni kwakhe.

13 a qual lhe devorará os membros do corpo; serão devorados pelo primogênito da morte.

13Amalungu omzimba wakhe ayakudliwa, yebo, ukufa okwesabekayo kuyakudla amalungu akhe.

14 O perverso será arrancado da sua tenda, onde está confiado, e será levado ao rei dos terrores.

14 Uyakuhlwithwa etendeni lakhe alethembayo, ayiswe enkosini yengebhe.

15 Nenhum dos seus morará na sua tenda, espalhar-se-á enxofre sobre a sua habitação.

15Etendeni lakhe bayakuhlala abangesibo abakhe, kuvumvuzelwe isibabule ekhaya lakhe.

[16] Por baixo secarão as suas raízes, e murcharão por cima os seus ramos.
[17] A sua memória desaparecerá da terra, e pelas praças não terá nome.

[18] Da luz o lançarão nas trevas e o afugentarão do mundo.

[19] Não terá filho nem posteridade entre o seu povo, nem sobrevivente algum ficará nas suas moradas.

[20] Do seu dia se espantarão os do Ocidente, e os do Oriente serão tomados de horror.

[21] Tais são, na verdade, as moradas do perverso, e este é o paradeiro do que não conhece a Deus.

[16]Izimpande zakhe ziyakoma ngaphansi; phezulu kuyabuna amagatsha akhe.
[17] Ukukhunjulwa kwakhe kuyakuphela emhlabeni, angabi negama ezweni.
[18]Uyakukhishwa ekukhanyeni, aqhutshelwe ebumnyameni, axoshwe ezweni.
[19] Akayikuba nandodana namzukulwana phakathi kwabantu bakhe; akuyikuba khona lapho egogobala khona.
[20]Abasentshonalanga bayethuswa lusuku lwakhe, nabasempumalanga babanjwa ngukwesaba.

[21]Impela zinjalo izindlu zaboni; injalo indawo engamazi uNkulunkulu.

Jó 19

Jó, embora sofrendo, sabe que seu Redentor vive

[1] Então, respondeu Jó:
[2] Até quando afligireis a minha alma e me quebrantareis com palavras?

[3] Já dez vezes me vituperastes e não vos envergonhais de injuriar-me.

[4] Embora haja eu, na verdade, errado, comigo ficará o meu erro.
[5] Se quereis engrandecer-vos contra mim e me argüis pelo meu opróbrio,
[6] sabei agora que Deus é que me oprimiu e com a sua rede me cercou.
[7] Eis que clamo: violência! Mas não sou ouvido; grito: socorro! Porém não há justiça.

UJobe 19

UJobe uphendula inkulumo yesibili kaBilidadi: wenzelwe okubi lapho eshiyiwe yizihlobo zakhe; uyazi nokho ukuthi uMhlengi wakhe ukhona

[1]Wayesephendula uJobe, wathi:
[2] Koze kube nini nihlupha umphefumulo wami, ningiphohloze ngamazwi, na?
[3] Seningihlazisile kayishumi; aninamahloni okuthi ningiphathe kabi na?
[4]Uma impela ngidukile, ukuduka kwami kukimi ngedwa.
[5]Uma impela niyazikhukhumezela kimi, niphikisane nami ngehlazo lami,
[6]yazini-ke ukuthi uNkulunkulu ungihlanekezele, ungihaqe ngenetha.
[7] Bheka, ngikhala ngithi: Ngubudlova! Kepha angiphendulwa; ngicela ukusizwa, kodwa akukho ukwahlulelwa.

[8] O meu caminho ele fechou, e não posso passar; e nas minhas veredas pôs trevas.

[9] Da minha honra me despojou e tirou-me da cabeça a coroa.

[10] Arruinou-me de todos os lados, e eu me vou; e arrancou-me a esperança, como a uma árvore.

[11] Inflamou contra mim a sua ira e me tem na conta de seu adversário.

[12] Juntas vieram as suas tropas, prepararam contra mim o seu caminho e se acamparam ao redor da minha tenda.

[13] Pôs longe de mim a meus irmãos, e os que me conhecem, como estranhos, se apartaram de mim.

[14] Os meus parentes me desampararam, e os meus conhecidos se esqueceram de mim.

[15] Os que se abrigam na minha casa e as minhas servas me têm por estranho, e vim a ser estrangeiro aos seus olhos.

[16] Chamo o meu criado, e ele não me responde; tenho de suplicar-lhe, eu mesmo.

[17] O meu hálito é intolerável à minha mulher, e pelo mau cheiro sou repugnante aos filhos de minha mãe.

[18] Até as crianças me desprezam, e, querendo eu levantar-me, zombam de mim.

[19] Todos os meus amigos íntimos me abominam, e até os que eu amava se tornaram contra mim.

[8] Uvalile indlela yami ukuze ngingabi nakudlula; ubeka ubumnyama emikhondweni yami.

[9]Ungikhumulile udumo lwami; ususile umqhele ekhanda lami.

[10]Ungidilizile nxazonke, sengimukile; usiphulile ithemba lami njengomuthi.

[11] Ungivuthisele intukuthelo yakhe, wangishaya njengezitha kuye.

[12]Amabutho akhe afika kanyekanye, alungise indlela ukuba angisukele; amisa nxazonke zetende lami.

[13] Udedisile kimi abafowethu, nabazana nami sebahlukene impela nami.

[14]Izihlobo zami zingishiyile, nengazana nabo bangikhohliwe.

[15]Abagogobele endlini yami nezincekukazi zami bangishaya umfokazi; ngingowezizwe emehlweni abo.

[16]Ngibiza inceku yami, kayingiphenduli; ngiyayinxusa ngomlomo wami.

[17]Umoya wami mubi kumkami, ngiyanuka kubantwana besisu sikamame.

[18] Yebo, nezingane ziyangidelela; uma ngivuka, zikhuluma ngami.

[19] Ababeyizifuba zami bayanengwa yimi; labo ababengithanda sebengifulathele.

[20] Os meus ossos se apegam à minha pele e à minha carne, e salvei-me só com a pele dos meus dentes.

[21] Compadecei-vos de mim, amigos meus, compadecei-vos de mim, porque a mão de Deus me atingiu.

[22] Por que me perseguis como Deus me persegue e não cessais de devorar a minha carne?

[23] Quem me dera fossem agora escritas as minhas palavras! Quem me dera fossem gravadas em livro!

[24] Que, com pena de ferro e com chumbo, para sempre fossem esculpidas na rocha!

[25] Porque eu sei que o meu Redentor vive e por fim se levantará sobre a terra.

[26] Depois, revestido este meu corpo da minha pele, em minha carne verei a Deus.

[27] Vê-lo-ei por mim mesmo, os meus olhos o verão, e não outros; de saudade me desfalece o coração dentro de mim.

[28] Se disserdes: Como o perseguiremos? E: A causa deste mal se acha nele,

[29] temei, pois, a espada, porque tais acusações merecem o seu furor, para saberdes que há um juízo.

Jó 20

Zofar descreve as calamidades dos perversos

[1] Então, respondeu Zofar, o naamatita:

[20] Amathambo ami anamathela esikhumbeni sami nasenyameni yami; ngisinde ngokulambisa kuphela.

[21]Ngihawukeleni, ngihawukeleni, nina bangane bami, ngokuba isandla sikaNkulunkulu singithintile.

[22]Ningizingelelani njengoNkulunkulu, ningasuthi ngenyama yami na?

[23] Sengathi amazwi ami angalotshwa! Sengathi angabhalwa encwadini,

[24]aqoshwe edwaleni ngepeni lensimbi nangomthofu, kuze kube phakade!

[25] Kepha mina ngiyazi ukuthi uMhlengi wami ukhona; ekupheleni uyakuma othulini.

[26] Nalapho sesishabalele isikhumba sami, ngiyakumbuka uNkulunkulu ngikhululekile enyameni yami,

[27] engiyakumbona uqobo lwami; amehlo ami ayakumbona, kungabi njengomfokazi; okuphakathi kwami kuyaphela esifubeni sami.

[28]Uma nithi: Siyakumxosha yini pho! njengokuba impande yendaba ifumaniseka kimi,

[29] yesabani inkemba, ngokuba ulaka lungolwezono ezifanele inkemba, ukuze nazi ukuthi ukwahlulelwa kukhona.

UJobe 20

Inkulumo yesibili kaSofari: injabulo yababi imfushane

[1]Wayesethatha uSofari umNahama, wathi:

[2] Visto que os meus pensamentos me impõem resposta, eu me apresso.

[3] Eu ouvi a repreensão, que me envergonha, mas o meu espírito me obriga a responder segundo o meu entendimento.

[4] Porventura, não sabes tu que desde todos os tempos, desde que o homem foi posto sobre a terra,

[5] o júbilo dos perversos é breve, e a alegria dos ímpios, momentânea?

[6] Ainda que a sua presunção remonte aos céus, e a sua cabeça atinja as nuvens,

[7] como o seu próprio esterco, apodrecerá para sempre; e os que o conheceram dirão: Onde está?

[8] Voará como um sonho e não será achado, será afugentado como uma visão da noite.

[9] Os olhos que o viram jamais o verão, e o seu lugar não o verá outra vez.

[10] Os seus filhos procurarão aplacar aos pobres, e as suas mãos lhes restaurarão os seus bens.

[11] Ainda que os seus ossos estejam cheios do vigor da sua juventude, esse vigor se deitará com ele no pó.

[12] Ainda que o mal lhe seja doce na boca, e ele o esconda debaixo da língua,

[13] e o saboreie, e o não deixe; antes, o retenha no seu paladar,

[2] Ngalokho imicabango yami iyangiphendula ngenxa yokushesha okuphakathi kwami.

[3] Ngiyezwa insolo engihlazisayo, kepha umoya wasengqondweni yami uyangiphendula.

[4] Awukwazi yini ukuba lokhu kungokwasendulo, selokhu abantu babekwa emhlabeni,

[5]ukuthi ukujabula kwababi kufushane, nokuthokoza kwabangenaNkulunkulu kungokokuphazima kweso nje, na?

[6]Noma ubukhulu bakhe bukhuphukela ezulwini, nekhanda lakhe lifinyelela emafwini,

[7]uyakubhubha kuze kube phakade njengamasimba akhe; abambonayo bayakuthi: Uphi na?

[8] Uyakundiza njengephupho, angabe esafunyanwa; uyakuxoshwa njengombono wasebusuku.

[9] Iso elalimgqolozela alisamboni, nendawo yakhe ayisamboni.

[10]Abantwana bakhe bayakuzincengela kwabampofu, izandla zakhe zibuyise impahla yakhe.

[11]Amathambo akhe agcwele ubusha, kepha buyakulala phansi kanye naye othulini.

[12] Noma ububi bumnandi emlonyeni wakhe, noma ebufihla phansi kolimi lwakhe,

[13]noma ebugodla engabushiyi, kepha ebugcina emlonyeni wakhe,

[14] contudo, a sua comida se transformará nas suas entranhas; fel de áspides será no seu interior.

[15] Engoliu riquezas, mas vomitá-las-á; do seu ventre Deus as lançará.

[16] Veneno de áspides sorveu; língua de víbora o matará.

[17] Não se deliciará com a vista dos ribeiros e dos rios transbordantes de mel e de leite.

[18] Devolverá o fruto do seu trabalho e não o engolirá; do lucro de sua barganha não tirará prazer nenhum.

[19] Oprimiu e desamparou os pobres, roubou casas que não edificou.

[20] Por não haver limites à sua cobiça, não chegará a salvar as coisas por ele desejadas.

[21] Nada escapou à sua cobiça insaciável, pelo que a sua prosperidade não durará.

[22] Na plenitude da sua abastança, ver-se-á angustiado; toda a força da miséria virá sobre ele.

[23] Para encher a sua barriga, Deus mandará sobre ele o furor da sua ira, que, por alimento, mandará chover sobre ele.

[24] Se fugir das armas de ferro, o arco de bronze o traspassará.

[25] Ele arranca das suas costas a flecha, e esta vem resplandecente do seu fel; e haverá assombro sobre ele.

[26] Todas as calamidades serão reservadas contra os seus tesouros; fogo não

[14]kuyaguquka nokho ukudla kwakhe phakathi kwakhe, kube yinyongo yamabululu ezibilinini zakhe.

[15]Ugwinyile ingcebo; uyakubuye ayihlanze; uNkulunkulu uyakuyikhipha esiswini sakhe.

[16]Uyakumunca isihlungu samabululu; ulimi lwenyoka luyakumbulala.

[17]Akayikubuka imifula, iminonjana nemifudlana yezinyosi namangqanga.

[18] Lokho owakukhandlekelayo uyakukubuyisa, angakugwinyi; ngempahla ayitholileyo akayikujabula.

[19] Ngokuba ucindezele, washiya abampofu; uhlwithile indlu, angabuye ayakhe.

[20] Ngokuba wayengazi ukuthula esiswini sakhe; kayikuphepha nalutho kulokho akufisayo.

[21]Akusalanga lutho angaludlanga; ngalokho inhlanhla yakhe ayiyikuma.

[22]Ekusutheni kokuvama kwakhe uyaminywa; izandla zakho konke ukuhlupheka ziyakumfikela.

[23] Kuyakuthi lapho eyakugcwalisa isisu sakhe, uNkulunkulu aphonse kuye ukuvutha kwentukuthelo yakhe, akunise phezu kwakhe esekudleni.

[24]Uyabalekela isikhali sensimbi, kepha ubhotshozwa ngumnsalo wethusi.

[25]Uyawukhipha uphume emzimbeni wakhe; nxa uphuma unyampuza enyongweni, abesehlelwa yingebhe.

[26]Ubumnyama bonke bubekelelwe ingcebo yakhe; umlilo ongavuthelwanga

assoprado o consumirá, fogo que se apascentará do que ficar na sua tenda.

27 Os céus lhe manifestarão a sua iniqüidade; e a terra se levantará contra ele.

28 As riquezas de sua casa serão transportadas; como água serão derramadas no dia da ira de Deus.

29 Tal é, da parte de Deus, a sorte do homem perverso, tal a herança decretada por Deus.

Jó 21

Jó descreve a prosperidade dos perversos

1 Respondeu, porém, Jó:

2 Ouvi atentamente as minhas razões, e já isso me será a vossa consolação.

3 Tolerai-me, e eu falarei; e, havendo eu falado, podereis zombar.

4 Acaso, é do homem que eu me queixo? Não tenho motivo de me impacientar?

5 Olhai para mim e pasmai; e ponde a mão sobre a boca;

6 porque só de pensar nisso me perturbo, e um calafrio se apodera de toda a minha carne.

7 Como é, pois, que vivem os perversos, envelhecem e ainda se tornam mais poderosos?

8 Seus filhos se estabelecem na sua presença; e os seus descendentes, ante seus olhos.

9 As suas casas têm paz, sem temor, e a vara de Deus não os fustiga.

uyakuyidla, uchithe okusele etendeni lakhe.

27Izulu liyakwambula ububi bakhe, umhlaba umvukele.

28Imfuyo yendlu yakhe iyakumuka, inyamalale ngomuhla wentukuthelo.

29 Lesi siyisabelo somuntu omubi esivela kuNkulunkulu, nefa alinqunyelweyo nguNkulunkulu.

UJobe 21

UJobe uyaphendula inkulumo yesibili kaSofari: ukuhlupheka akubehleli ababi kuphela

1Wayesephendula uJobe, wathi:

2 Yizwani nokuzwa amazwi ami; lokhu makube yinduduzo evela kini.

3 Ngivumeleni ukuba nami ngikhulume; nalapho sengikhulumile, klolodani.

4 Mina-ke, ukukhala kwami kungomuntu na? Ngingekhathazeke na?

5Ngibukeni, nimangale, nibeke izandla emilonyeni yenu.

6Lapho ngikhumbula nje, ngishaywa luvalo; ukwesaba kubamba inyama yami.

7 Ababi baphilelani, baze babe badala, yebo, bakhule emandleni, na?

8Inzalo yabo iyema phambi kwabo kanye nabo, nabantwana babo phambi kwamehlo abo.

9Izindlu zabo zinokuthula, azinangebhe; uswazi lukaNkulunkulu aluphezu kwabo.

[10] O seu touro gera e não falha, suas novilhas têm a cria e não abortam.

[10]Inkunzi yabo iyakhwela, kayiphuthi; inkomo yabo iyazala, kayiphunzi.

[11] Deixam correr suas crianças, como a um rebanho, e seus filhos saltam de alegria;

[11] Bakhipha izingane zabo njengomhlambi; abantwana babo bayagida.

[12] cantam com tamboril e harpa e alegram-se ao som da flauta.

[12]Bahlabelela ngesigubhu nangehabhu, bathokoza ngezwi lomtshingo.

[13] Passam eles os seus dias em prosperidade e em paz descem à sepultura.

[13] Baqeda imihla yabo ngokuhle, behlela endaweni yabafileyo ngokuthula.

[14] E são estes os que disseram a Deus: Retira-te de nós! Não desejamos conhecer os teus caminhos.

[14] Nokho bathi kuNkulunkulu: Suka kithi, asifuni ukwazi izindlela zakho.

[15] Que é o Todo-Poderoso, para que nós o sirvamos? E que nos aproveitará que lhe façamos orações?

[15] USomandla uyini ukuba simkhonze na? Siyakuzuzani, uma sikhuleka kuye, na?

[16] Vede, porém, que não provém deles a sua prosperidade; longe de mim o conselho dos perversos!

[16] Bhekani, inhlanhla yabo ayisesandleni sabo; icebo lababi malibe kude nami.

[17] Quantas vezes sucede que se apaga a lâmpada dos perversos? Quantas vezes lhes sobrevém a destruição? Quantas vezes Deus na sua ira lhes reparte dores?

[17] Kukangaki isibani sababi sicimeka, nengozi ibehlela, babelwe izabelo ngentukuthelo, na?

[18] Quantas vezes são como a palha diante do vento e como a pragana arrebatada pelo remoinho?

[18] Babeyakuba njengezibi phambi komoya, nanjengamakhoba aphephethwa yisiphepho.

[19] Deus, dizeis vós, guarda a iniqüidade do perverso para seus filhos. Mas é a ele que deveria Deus dar o pago, para que o sinta.

[19] UNkulunkulu ubekela abantwana babo ububi babo; yebo, kodwa makabuphindisele kubo uqobo ukuba babazi.

[20] Seus próprios olhos devem ver a sua ruína, e ele, beber do furor do Todo-Poderoso.

[20] Awabo amehlo mawabone ukuchithwa kwabo, bona baphuze ukufutheka kukaSomandla.

[21] Porque depois de morto, cortado já o número dos seus meses, que interessa a ele a sua casa?

[22] Acaso, alguém ensinará ciência a Deus, a ele que julga os que estão nos céus?

[23] Um morre em pleno vigor, despreocupado e tranqüilo,

[24] com seus baldes cheios de leite e fresca a medula dos seus ossos.

[25] Outro, ao contrário, morre na amargura do seu coração, não havendo provado do bem.

[26] Juntamente jazem no pó, onde os vermes os cobrem.

[27] Vede que conheço os vossos pensamentos e os injustos desígnios com que me tratais.

[28] Porque direis: Onde está a casa do príncipe, e onde, a tenda em que morava o perverso?

[29] Porventura, não tendes interrogado os que viajam? E não considerastes as suas declarações,

[30] que o mau é poupado no dia da calamidade, é socorrido no dia do furor?

[31] Quem lhe lançará em rosto o seu proceder? Quem lhe dará o pago do que faz?

[32] Finalmente, é levado à sepultura, e sobre o seu túmulo se faz vigilância.

[33] Os torrões do vale lhe são leves, todos os homens o seguem, assim como não têm número os que foram adiante dele.

[21]Banokujabula kuni endlini yabo emva kwabo, lapho umumo wezinyanga zabo usunqunyiwe, na?

[22] UNkulunkulu uyakufundiswa ukwazi, yena owahlulela abaphakemeyo, na?

[23] Omunye ufa esemi kahle kukho konke, ezinzile, enokuthula.

[24]Izinhlangothi zakhe zigcwele amafutha; umnkantsha wamathambo akhe umanzi.

[25]Omunye ufa enomphefumulo onomunyu, engazange adle okuhle.

[26] Balala phansi othulini kanyekanye; izimpethu ziyabasibekela.

[27]Bhekani, ngiyazi imicabango yenu, namacebo enu eniyakungona ngawo.

[28]Nithi: Iphi indlu yezikhulu, liphi itende lokuhlala kwababi, na?

[29]Anibuzanga abadlula endleleni, nibazi ubufakazi babo

[30]bokuthi omubi ugodlelwa usuku lokubhujiswa nokuthi bayamukiswa ngosuku lwentukuthelo, na?

[31]Ngubani oyakumtshela indlela yakhe ebusweni bakhe? Ngubani oyakumphindisela ngalokho akwenzileyo na?

[32]Uyayiswa ethuneni, kulindwe elibeni.

[33]Amagabade asesigodini ayakuba mnandi kuye; bonke abantu

[34] Como, pois, me consolais em vão? Das vossas respostas só resta falsidade.

Jó 22

Elifaz acusa a Jó de grandes pecados

[1] Então, respondeu Elifaz, o temanita:

[2] Porventura, será o homem de algum proveito a Deus? Antes, o sábio é só útil a si mesmo.

[3] Ou tem o Todo-Poderoso interesse em que sejas justo ou algum lucro em que faças perfeitos os teus caminhos?

[4] Ou te repreende pelo teu temor de Deus ou entra contra ti em juízo?

[5] Porventura, não é grande a tua malícia, e sem termo, as tuas iniqüidades?

[6] Porque sem causa tomaste penhores a teu irmão e aos seminus despojaste das suas roupas.

[7] Não deste água a beber ao cansado e ao faminto retiveste o pão.

[8] Ao braço forte pertencia a terra, e só os homens favorecidos habitavam nela.

[9] As viúvas despediste de mãos vazias, e os braços dos órfãos foram quebrados.

[10] Por isso, estás cercado de laços, e repentino pavor te conturba

[11] ou trevas, em que nada vês; e águas transbordantes te cobrem.

bayakudonswa emva kwakhe, njengokuba bengenakubalwa nababe phambi kwakhe.

[34] Pho, ningiduduzelani ngeze, lokhu ezimpendulweni zenu kusele inkohliso nje, na?

UJobe 22

Inkulumo yesithathu ka-Elifazi: uJobe wonile: makaphendukele kuNkulunkulu

[1]Wayesethatha u-Elifazi umThemani, wathi:

[2] Umuntu angaba yinsizakalo kuNkulunkulu ukuba ohlakaniphileyo abe nosizo kuye na?

[3] Kuyintokozo yini kuSomandla, uma ulungile, kuyinzuzo kuye, uma wenza izindlela zakho ziphelele, na?

[4] Kungokumesaba kwakho akusolayo, angene nawe ekwahlulelweni, na?

[5]Ububi bakho abubukhulu yini? Izono zakho azinakuphela.

[6]Ngokuba uthathe ngeze izibambiso kumfowenu, wahlubula abampofu izingubo zabo.

[7]Awumphuzisanga owomileyo amanzi, wamgodlela olambileyo ukudla.

[8]Umuntu onamandla, izwe lingelakhe; onodumo uyahlala kulo.

[9]Umukisile abafelokazi bengenalutho; izingalo zezintandane zaphuliwe.

[10]Ngalokho izingibe ziyakuhaqa; uvalo oluzumayo luyakwethusa.

[11]Ukukhanya kwakho kuphenduke ubumnyama, ukuze ungaboni, nesikhukhula samanzi siyakusibekela.

[12] Porventura, não está Deus nas alturas do céu? Olha para as estrelas mais altas. Que altura!

[13] E dizes: Que sabe Deus? Acaso, poderá ele julgar através de densa escuridão?

[14] Grossas nuvens o encobrem, de modo que não pode ver; ele passeia pela abóbada do céu.

[15] Queres seguir a rota antiga, que os homens iníquos pisaram?

[16] Estes foram arrebatados antes do tempo; o seu fundamento, uma torrente o arrasta.

[17] Diziam a Deus: Retira-te de nós. E: Que pode fazer-nos o Todo-Poderoso?

[18] Contudo, ele enchera de bens as suas casas. Longe de mim o conselho dos perversos!

[19] Os justos o vêem e se alegram, e o inocente escarnece deles,

[20] dizendo: Na verdade, os nossos adversários foram destruídos, e o fogo consumiu o resto deles.

[21] Reconcilia-te, pois, com ele e tem paz, e assim te sobrevirá o bem.

[22] Aceita, peço-te, a instrução que profere e põe as suas palavras no teu coração.

[23] Se te converteres ao Todo-Poderoso, serás restabelecido; se afastares a injustiça da tua tenda

[24] e deitares ao pó o teu ouro e o ouro de Ofir entre pedras dos ribeiros,

[12] UNkulunkulu akakho ekuphakameni kwezulu na? Bheka inhloko yezinkanyezi ukuthi iphakeme kangaka.

[13] Uthi wena: UNkulunkulu wazini na? Angahlulela engale kwesigayegaye na?

[14]Amafu ayamsibekela ukuze angaboni; uyahamba esiyingelezini sezulu.

[15]Uyakugcina indlela yamandulo eyahanjwa yizoni na?

[16] Yizo ezahlwitha kungakabi yisikhathi, ezisisekelo sazo sathululwa njengomfula,

[17] nezathi kuNkulunkulu: Suka kithina, ngokuba uSomandla ubeyakwenzani kubo na?

[18] Kepha nguye owayegcwalisa izindlu zabo ngokuhle. Amasu ababi akude nami.

[19] Abalungileyo bayakukubona, bathokoze; abangenasici bayabaklododela ngokuthi:

[20] Impela ababesivukela sebechithiwe, nabakushiyileyo umlilo ukuqedile.

[21] Mawujwayelane naye, ube nokuthula; ngalokho okuhle kuyakufika kuwe.

[22]Mawamukele umthetho emlonyeni wakhe, ubeke amazwi akhe enhliziyweni yakho.

[23] Uma ubuyela kuSomandla, uyakwakhiwa, uma udedisa okubi kude etendeni lakho,

[24]ubeke igolide lakho othulini, nelase-Ofiri phakathi kwamatshe eminonjana.

[25] então, o Todo-Poderoso será o teu ouro e a tua prata escolhida.

[26] Deleitar-te-ás, pois, no Todo-Poderoso e levantarás o rosto para Deus.

[27] Orarás a ele, e ele te ouvirá; e pagarás os teus votos.

[28] Se projetas alguma coisa, ela te sairá bem, e a luz brilhará em teus caminhos.

[29] Se estes descem, então, dirás: Para cima! E Deus salvará o humilde

[30] e livrará até ao que não é inocente; sim, será libertado, graças à pureza de tuas mãos.

[25]USomandla uyakuba yigugu lakho, nesiliva elikhazimulayo kuwe,

[26]ngokuba lapho uyakuthokoza ngoSomandla, uphakamisele kuNkulunkulu ubuso bakho.

[27]Uyakukhuleka kuye, akuzwe, wena ugcwalise izithembiso zakho.

[28]Uma unquma indaba, uyakuyenzelwa, ukukhanya kukhanye ezindleleni zakho.

[29] Uma zehla, uyakuthi: Phezulu! abesephakanyiswa ozithobileyo.

[30] Abantu abangemsulwa uyakubakhulula nabo, bakhululwe ngobumhlophe bezandla zakho.

Jó 23

Jó deseja apresentar-se perante Deus

[1] Respondeu, porém, Jó:

[2] Ainda hoje a minha queixa é de um revoltado, apesar de a minha mão reprimir o meu gemido.

[3] Ah! Se eu soubesse onde o poderia achar! Então, me chegaria ao seu tribunal.

[4] Exporia ante ele a minha causa, encheria a minha boca de argumentos.

[5] Saberia as palavras que ele me respondesse e entenderia o que me dissesse.

[6] Acaso, segundo a grandeza de seu poder, contenderia comigo? Não; antes, me atenderia.

UJobe 23

UJobe uphendula inkulumo yesithathu ka-Elifazi: ukhala ngokubeka indaba yakhe phambi kukaNkulunkulu

[1]Wayesephendula uJobe, wathi:

[2] Nanamuhla ukukhala kwami kumunyu; isandla sami siyasinda ngokububula kwami.

[3]Sengathi ngingazi ukuthi ngiyakumtholaphi, ngize ngifike endlini yakhe,

[4]ngilungise ukwahlulelwa kwami phambi kwakhe, ngigcwalise umlomo wami ngezimpendulo.

[5]Bengiyakuwazi amazwi abeyakungiphendula ngawo, ngiqonde ukuthi ubeyakuthini kimi.

[6]Ubeyakuphikisana nami ngamandla akhe amakhulu na? Cha, ubeyakubhekisa kimi.

[7] Ali, o homem reto pleitearia com ele, e eu me livraria para sempre do meu juiz.

[8] Eis que, se me adianto, ali não está; se torno para trás, não o percebo.

[9] Se opera à esquerda, não o vejo; esconde-se à direita, e não o diviso.

[10] Mas ele sabe o meu caminho; se ele me provasse, sairia eu como o ouro.

[11] Os meus pés seguiram as suas pisadas; guardei o seu caminho e não me desviei dele.

[12] Do mandamento de seus lábios nunca me apartei, escondi no meu íntimo as palavras da sua boca.

[13] Mas, se ele resolveu alguma coisa, quem o pode dissuadir? O que ele deseja, isso fará.

[14] Pois ele cumprirá o que está ordenado a meu respeito e muitas coisas como estas ainda tem consigo.

[15] Por isso, me perturbo perante ele; e, quando o considero, temo-o.

[16] Deus é quem me fez desmaiar o coração, e o Todo-Poderoso, quem me perturbou,

[17] porque não estou desfalecido por causa das trevas, nem porque a escuridão cobre o meu rosto.

Jó 24

Jó contesta que os perversos muitas vezes não são castigados

[7]Lapho olungileyo ubeyakuphikisana naye, mina ngikhululwe kumahluleli wami kuze kube phakade.

[8]Kodwa bheka, ngiya empumalanga, kepha akakho, nasentshonalanga, kepha angimboni,

[9]nangasenyakatho ekusebenzeni kwakhe, kepha akabonwa; ujikela ngaseningizimu, kepha akabonakali.

[10] Ngokuba uyayazi indlela yami; esengivivinyile, ngiyakuphuma njengegolide.

[11]Unyawo lwami lunamathele ezinyathelweni zakhe; ngigcinile indlela yakhe, angiphambukanga.

[12]Angichezukanga emyalweni wezindebe zakhe; ngizibekele amazwi akhe kunezimiso zami.

[13] Kodwa uyinto inye, ngubani ongambuyisa na? Okufisayo umphefumulo wakhe, lokho uyakwenza.

[14]Uyakufeza engikumiselweyo; izinto eziningi ezinjalo zikuye.

[15]Ngalokho ngishaywa luvalo ebusweni bakhe; lapho ngikuqaphela, ngiyamesaba.

[16]NguNkulunkulu odangalisileyo inhliziyo yami, uSomandla ungethusile,

[17]ngokuba anginqunywanga, bungakafiki ubumnyama; wangifihlela ukuhlwa.

UJobe 24

UJobe ukhala ukuthi abangenakuzivikela bayahlushwa

1 Por que o Todo-Poderoso não designa tempos de julgamento? E por que os que o conhecem não vêem tais dias?

2 Há os que removem os limites, roubam os rebanhos e os apascentam.

3 Levam do órfão o jumento, da viúva, tomam-lhe o boi.

4 Desviam do caminho aos necessitados, e os pobres da terra todos têm de esconder-se.

5 Como asnos monteses no deserto, saem estes para o seu mister, à procura de presa no campo aberto, como pão para eles e seus filhos.

6 No campo segam o pasto do perverso e lhe rabiscam a vinha.

7 Passam a noite nus por falta de roupa e não têm cobertas contra o frio.

8 Pelas chuvas das montanhas são molhados e, não tendo refúgio, abraçam-se com as rochas.

9 Orfãozinhos são arrancados ao peito, e dos pobres se toma penhor;

10 de modo que estes andam nus, sem roupa, e, famintos, arrastam os molhos.

11 Entre os muros desses perversos espremem o azeite, pisam-lhes o lagar; contudo, padecem sede.

12 Desde as cidades gemem os homens, e a alma dos feridos clama; e, contudo, Deus não tem isso por anormal.

13 Os perversos são inimigos da luz, não conhecem os seus caminhos, nem permanecem nas suas veredas.

1 Kungani ukuba uSomandla angazibekeleli izikhathi zokwahlulela, abamaziyo babone imihla yakhe, na?

2 Imincele iyasuswa; bahlwitha imihlambi, bayiklabise.

3 Bamukisa imbongolo yezintandane, nenkomo yomfelokazi bayayithatha ibe yisibambiso.

4 Bafuzula abaswelayo endleleni; abampofu bomhlaba bacasha ndawonye.

5 Bheka, njengezimbongolo ehlane bayaphumela emisebenzini yabo befunisisa ukudla; ihlane lingukudla kwabo abakunika abantwana babo.

6 Emasimini bavuna ifoliji; bakhothoza esivinini somubi.

7 Ebusuku balala nqunu bengenangubo, bengenanto yokuzisibekela emakhazeni.

8 Bamanzi ngezihlambi zasezintabeni; basingatha idwala bengenasiphephelo.

9 Intandane ihlwithwa ebeleni, nengane yompofu ithathwa ibe yisibambiso,

10 bahambe nqunu bengenangubo, bethwele izithungu, belambile.

11 Benza amafutha phakathi kwezingange zabahluphi; banyathela izikhamo zewayini, kepha bayoma.

12 Bexoshwe emzini abafayo bayabubula; imiphefumulo yabalimeleyo iyakhala, kepha uNkulunkulu akanaki lokho okubi.

13 Bakhona abakuhlubukile ukukhanya; abazi indlela yakho, abanamatheli emikhondweni yakho.

[14] De madrugada se levanta o homicida, mata ao pobre e ao necessitado, e de noite se torna ladrão.

[15] Aguardam o crepúsculo os olhos do adúltero; este diz consigo: Ninguém me reconhecerá; e cobre o rosto.

[16] Nas trevas minam as casas, de dia se conservam encerrados, nada querem com a luz.

[17] Pois a manhã para todos eles é como sombra de morte; mas os terrores da noite lhes são familiares.

[18] Vós dizeis: Os perversos são levados rapidamente na superfície das águas; maldita é a porção dos tais na terra; já não andam pelo caminho das vinhas.

[19] A secura e o calor desfazem as águas da neve; assim faz a sepultura aos que pecaram.

[20] A mãe se esquecerá deles, os vermes os comerão gostosamente; nunca mais haverá lembrança deles; como árvore será quebrado o injusto,

[21] aquele que devora a estéril que não tem filhos e não faz o bem à viúva.

[22] Não! Pelo contrário, Deus por sua força prolonga os dias dos valentes; vêem-se eles de pé quando desesperavam da vida.

[23] Ele lhes dá descanso, e nisso se estribam; os olhos de Deus estão nos caminhos deles.

[24] São exaltados por breve tempo; depois, passam, colhidos como todos os mais; são cortados como as pontas das espigas.

[14]Umbulali uvuka ekuseni, abulale ompofu noswelayo; ebusuku unjengesela.

[15]Iso lesiphingi libheka ukuhlwa ngokuthi: Malingangiboni iso, sisithe ubuso baso.

[16]Bafohla izindlu sekumnyama; emini bayazivalela; ukukhanya abakwazi.

[17]Ngokuba ithunzi lokufa kubo bonke labo linjengokusa, lokhu beyazi ingebhe yethunzi lokufa.

[18] Banejubane ebusweni bamanzi; izabelo zabo ziqalekisiwe emhlabeni; abasayikuphendukela endleleni yezivini.

[19]Ukoma nokushisa kuyaqeda amanzi eqhwa; kanjalo indawo yabafileyo labo abonileyo.

[20]Isizalo siyamkhohlwa; izimpethu ziyamsobozela; akasayikukhunjulwa; ukungalungi kuyaphulwa njengomuthi.

[21]Uyayidla inyumba engazaliyo; akenzeli umfelokazi okuhle.

[22]Uyadonsa namaqhawe ngamandla akhe; uyavuka; akakho osenethemba lokuphila.

[23]UNkulunkulu uyamnika ukuba alondeke, asekelwe; kepha amehlo akhe aphezu kwezindlela zabo.

[24] Bayaphakanyiswa; emva kwesikhashana abasekho; bayaphela njengabanye, bafe; babuna njengezihloko zezikhwebu.

[25] Se não é assim, quem me desmentirá e anulará as minhas razões?

Jó 25

Bildade nega que o homem possa justificar-se diante de Deus

[1] Então, respondeu Bildade, o suíta:

[2] A Deus pertence o domínio e o poder; ele faz reinar a paz nas alturas celestes.

[3] Acaso, têm número os seus exércitos? E sobre quem não se levanta a sua luz?

[4] Como, pois, seria justo o homem perante Deus, e como seria puro aquele que nasce de mulher?

[5] Eis que até a lua não tem brilho, e as estrelas não são puras aos olhos dele.

[6] Quanto menos o homem, que é gusano, e o filho do homem, que é verme!

Jó 26

Jó afirma a soberania de Deus

[1] Jó, porém, respondeu:

[2] Como sabes ajudar ao que não tem força e prestar socorro ao braço que não tem vigor!

[3] Como sabes aconselhar ao que não tem sabedoria e revelar plenitude de verdadeiro conhecimento!

[4] Com a ajuda de quem proferes tais palavras? E de quem é o espírito que fala em ti?

[5] A alma dos mortos treme debaixo das águas com seus habitantes.

[25] Uma kungenjalo, ngubani ongangenza onamanga, awenze ize amazwi ami, na?

UJobe 25

Inkulumo yesithathu kaBilidadi: akukho okuhlambulukile emehlweni kaNkulunkulu

[1]Wayesethatha uBilidadi umShuhi, wathi:

[2] Ukubusa nokwesabeka kukuye owenza ukuthula ezindaweni zakhe eziphakemeyo.

[3] Ukhona yini ongabala izimpi zakhe, nokukhanya kwakhe akuphumeli bani na?

[4] Pho, umuntu angalunga kanjani kuNkulunkulu, nozelwe ngowesifazane angahlambuluka kanjani, na?

[5]Bheka, nenyanga ayinankazimulo, nezinkanyezi azihlambulukile emehlweni akhe.

[6] Pho, kakhulu kangakanani umuntu oyimpethu, nendodana yomuntu eyisibungu, na?

UJobe 26

UJobe uphendula inkulumo yesithathu kaBilidadi: uyabazi naye ubukhulu bukaNkulunkulu njengoBilidadi

[1]Wayesephendula uJobe, wathi:

[2] Usizile kanjani ongenamandla! Usindisile kanjani ingalo engenamandla?

[3]Umlulekile kanjani ongenakuhlakanipha! Umemezile kangakanani ukuqonda!

[4]Utshelwe ngubani lawo mazwi, nomoya kabani waphuma kuwe, na?

[5] Izithunzi ziyathuthumela phansi kwamanzi kanye nabakhelwane bawo.

[6] O além está desnudo perante ele, e não há coberta para o abismo.

[7] Ele estende o norte sobre o vazio e faz pairar a terra sobre o nada.

[8] Prende as águas em densas nuvens, e as nuvens não se rasgam debaixo delas.

[9] Encobre a face do seu trono e sobre ele estende a sua nuvem.

[10] Traçou um círculo à superfície das águas, até aos confins da luz e das trevas.

[11] As colunas do céu tremem e se espantam da sua ameaça.

[12] Com a sua força fende o mar e com o seu entendimento abate o adversário.

[13] Pelo seu sopro aclara os céus, a sua mão fere o dragão veloz.

[14] Eis que isto são apenas as orlas dos seus caminhos! Que leve sussurro temos ouvido dele! Mas o trovão do seu poder, quem o entenderá?

Jó 27

Jó descreve a sorte dos perversos

[1] Prosseguindo Jó em seu discurso, disse:

[2] Tão certo como vive Deus, que me tirou o direito, e o Todo-Poderoso, que amargurou a minha alma,

[3] enquanto em mim estiver a minha vida, e o sopro de Deus nos meus narizes,

[6] Indawo yabafileyo ize phambi kwakhe, nendawo yokubhubha ayinasisibekelo.

[7] Welula inyakatho phezu kwendawo engenalutho; uphanyeka umhlaba phezu kweze.

[8] Ubopha amanzi emafwini akhe; ifu alidabuki phansi kwawo.

[9] Uyasibekela ubuso besihlalo sakhe sobukhosi; uyeneka ifu lakhe phezu kwaso.

[10] Uyingiliza ngomudwa phezu kobuso bamanzi, kuze kuphele ukukhanya ebumnyameni.

[11] Izinsika zezulu ziyathuthumela; ziyethuswa ngokukhuza kwakhe.

[12] Ngamandla akhe uyanyakazisa amanzi; ngokuqonda kwakhe uyachitha uRahabi.

[13] Ngokuphefumula kwakhe izulu liyakhazimula; isandla sakhe sigwazile inyoka esheshayo.

[14] Bheka, lokhu kungamaphethelo nje ezindlela zakhe, izwi lokunyenyeza nje elizwakalayo ngaye; indumo yamandla akhe, ngubani obeyakuyiqonda na?

UJobe 27

Inkulumo yokugcina kaJobe: usagcizelela ukulunga kwakhe

[1] UJobe wabuye waphakamisa izwi lakhe, wathi:

[2] Kuphila kukaNkulunkulu osusile ukwahlulelwa kwami, noSomandla owenze munyu umphefumulo wami,

[3] kusekhona ukuphefumula kimi, nomoya kaNkulunkulu usemakhaleni ami,

[4] nunca os meus lábios falarão injustiça, nem a minha língua pronunciará engano.
[5] Longe de mim que eu vos dê razão! Até que eu expire, nunca afastarei de mim a minha integridade.
[6] À minha justiça me apegarei e não a largarei; não me reprova a minha consciência por qualquer dia da minha vida.
[7] Seja como o perverso o meu inimigo, e o que se levantar contra mim, como o injusto.
[8] Porque qual será a esperança do ímpio, quando lhe for cortada a vida, quando Deus lhe arrancar a alma?
[9] Acaso, ouvirá Deus o seu clamor, em lhe sobrevindo a tribulação?
[10] Deleitar-se-á o perverso no Todo-Poderoso e invocará a Deus em todo o tempo?
[11] Ensinar-vos-ei o que encerra a mão de Deus e não vos ocultarei o que está com o Todo-Poderoso.
[12] Eis que todos vós já vistes isso; por que, pois, alimentais vãs noções?
[13] Eis qual será da parte de Deus a porção do perverso e a herança que os opressores receberão do Todo-Poderoso:
[14] Se os seus filhos se multiplicarem, será para a espada, e a sua prole não se fartará de pão.
[15] Os que ficarem dela, a peste os enterrará, e as suas viúvas não chorarão.
[16] Se o perverso amontoar prata como pó e acumular vestes como barro,

[4]izindebe zami aziyikukhuluma okubi, nolimi lwami aluyikukhipha inkohliso.
[5]Makube kude nami ukuba nginivumele; angiyikuzaphuca ukuphelela kwami ngize ngife.
[6] Ngibambelela ekulungeni kwami, angikuyeki; inhliziyo yami ayisoli nowodwa wemihla yami.
[7] Isitha sami masibe njengomubi, nongisukelayo njengowonileyo.
[8] Liyini ithemba longenaNkulunkulu, nxa enqunywa, lapho uNkulunkulu esusa umphefumulo wakhe, na?
[9] UNkulunkulu uyakuzwa ukukhala kwakhe, lapho ehlelwa lusizi, na?
[10]Uyakuthokoza ngoSomandla, ambize uNkulunkulu ngezikhathi zonke, na?
[11] Ngiyakunifundisa ngesandla sikaNkulunkulu; okukuSomandla angiyikukufihla.
[12]Bhekani, nina nonke nikubonile; kungani ukuba nizenze ize na?
[13] Lokhu kuyisabelo somuntu omubi kuNkulunkulu, nefa lezidlwangudlwangu ezilamukela kuSomandla.
[14] Uma abantwana bakhe banda, bandela inkemba; inzalo yakhe ayiyikusutha ngokudla.
[15]Abasele kuye bayakumbelwa ekufeni, abafelokazi babo bangalili.
[16]Noma enqwabela isiliva njengothuli, alungise izambatho njengodaka,

[17] ele os acumulará, mas o justo é que os vestirá, e o inocente repartirá a prata.

[18] Ele edifica a sua casa como a da traça e como a choça que o vigia constrói.

[19] Rico se deita com a sua riqueza, abre os seus olhos e já não a vê.

[20] Pavores se apoderam dele como inundação, de noite a tempestade o arrebata.

[21] O vento oriental o leva, e ele se vai; varre-o com ímpeto do seu lugar.

[22] Deus lança isto sobre ele e não o poupa, a ele que procura fugir precipitadamente da sua mão;

[23] à sua queda lhe batem palmas, à saída o apupam com assobios.

Jó 28

O homem apropria-se das riquezas da terra

[1] Na verdade, a prata tem suas minas, e o ouro, que se refina, o seu lugar.

[2] O ferro tira-se da terra, e da pedra se funde o cobre.

[3] Os homens põem termo à escuridão e até aos últimos confins procuram as pedras ocultas nas trevas e na densa escuridade.

[4] Abrem entrada para minas longe da habitação dos homens, esquecidos dos transeuntes; e, assim, longe deles, dependurados, oscilam de um lado para outro.

[17] makakulungise, kepha kuyakwembathwa ngolungileyo, ongenacala abele isiliva.

[18]Uyakha indlu yakhe njengenundu, ibe njengedlangala elakhiwa ngumlindi.

[19]Uyalala enothile, angakuphindi kodwa; uyavula amehlo akhe, abe engasekho.

[20]Ingebhe iyamehlela njengamanzi; isivunguvungu siyamphephula ebusuku.

[21]Umoya wasempumalanga uyamthatha, amuke; uyambhengula endaweni yakhe.

[22]Uyacibishelwa engahawukelwa; uyabaleka nokubaleka esandleni sakhe.

[23]Abantu bayakumshayela ihlombe, bamncimfele ukuba asuke endaweni yakhe.

UJobe 28

Inkulumo kaJobe isaqhubeka: umthapho wokuhlakanipha

[1] Impela ukhona umthapho wesiliva, nendawo yegolide abalicwengayo.

[2]Insimbi iyakhishwa emhlabathini; amatshe ayancibilikiswa abe yithusi.

[3]Ubumnyama bubekelwa umkhawulo; kuyacingwa kuze kube sekupheleni konke amatshe esigayegaye nethunzi lokufa.

[4]Baqhekeza umgodi kude nalapho behlala khona abantu, lapho bekhohlakele khona lunyawo; bayalenga, bajikajika kude nabantu.

5 Da terra procede o pão, mas embaixo é revolvida como por fogo.

6 Nas suas pedras se encontra safira, e há pó que contém ouro.

7 Essa vereda, a ave de rapina a ignora, e jamais a viram os olhos do falcão.

8 Nunca a pisaram feras majestosas, nem o leãozinho passou por ela.

9 Estende o homem a mão contra o rochedo e revolve os montes desde as suas raízes.

10 Abre canais nas pedras, e os seus olhos vêem tudo o que há de mais precioso.

11 Tapa os veios de água, e nem uma gota sai deles, e traz à luz o que estava escondido.

A verdadeira sabedoria é dom de Deus

12 Mas onde se achará a sabedoria? E onde está o lugar do entendimento?

13 O homem não conhece o valor dela, nem se acha ela na terra dos viventes.

14 O abismo diz: Ela não está em mim; e o mar diz: Não está comigo.

15 Não se dá por ela ouro fino, nem se pesa prata em câmbio dela.

16 O seu valor não se pode avaliar pelo ouro de Ofir, nem pelo precioso ônix, nem pela safira.

17 O ouro não se iguala a ela, nem o cristal; ela não se trocará por jóia de ouro fino;

18 ela faz esquecer o coral e o cristal; a aquisição da sabedoria é melhor que a das pérolas.

5 Umhlaba-ke, kuwona kuvela ukudla, kepha ngaphansi kwawo uyaphendukezelwa njengangomlilo.

6 Amatshe awo ayindawo yamasafire; inothuli lwegolide.

7 Lowo mgudu awaziwa yinqe, neso loheshe aliwubonanga.

8 Izilwane ezinkulu azihambanga ngawo, nengonyama ayidlulanga ngawo.

9 Uyelulela isandla sakhe etsheni lensengetsha, agumbuqele izintaba kwasezimpandeni zazo.

10 Uqhekeza imihohoba emadwaleni; iso lakhe liyabona konke okuyigugu.

11 Uyavimba imifula ukuba ingaconsi; imfihlakalo uyayikhiphela ekukhanyeni.

12 Kepha ukuhlakanipha kufumanisekaphi? Iphi indawo yokuqonda na?

13 Umuntu kalazi inani lakho; akutholakali ezweni labaphilayo.

14 Utwa luthi: Akukho kimi; ulwandle luthi: Akukho kimi.

15 Akunakuzuzwa ngegolide; intengo yakho ayinakulinganiswa nesiliva.

16 Kungelingane negolide lase-Ofiri, neshohamu eliyigugu, nesafire.

17 Igolide nengilazi kungelingane nakho; akunakwenaniswa ngezinto zegolide elicwengekileyo.

18 Akunakukhulunywa ngekorali nangekristalu; intengo yakho iphezu kwamarubi.

[19] Não se lhe igualará o topázio da Etiópia, nem se pode avaliar por ouro puro.

[20] Donde, pois, vem a sabedoria, e onde está o lugar do entendimento?

[21] Está encoberta aos olhos de todo vivente e oculta às aves do céu.

[22] O abismo e a morte dizem: Ouvimos com os nossos ouvidos a sua fama.

[23] Deus lhe entende o caminho, e ele é quem sabe o seu lugar.

[24] Porque ele perscruta até as extremidades da terra, vê tudo o que há debaixo dos céus.

[25] Quando regulou o peso do vento e fixou a medida das águas;

[26] quando determinou leis para a chuva e caminho para o relâmpago dos trovões,

[27] então, viu ele a sabedoria e a manifestou; estabeleceu-a e também a esquadrinhou.

[28] E disse ao homem: Eis que o temor do SENHOR é a sabedoria, e o apartar-se do mal é o entendimento.

Jó 29

Jó lembra-se do seu primeiro estado feliz

[1] Prosseguiu Jó no seu discurso e disse:

[2] Ah! Quem me dera ser como fui nos meses passados, como nos dias em que Deus me guardava!

[3] Quando fazia resplandecer a sua lâmpada sobre a minha cabeça, quando eu, guiado por sua luz, caminhava pelas trevas;

[19]Itopazi laseKushe alinakulinganiswa nakho, kungelingane negolide elicwengekileyo.

[20] Ukuhlakanipha kuvelaphi na? Indawo yokuqonda iphi na?

[21]Kusithekile emehlweni abo bonke abaphilayo, kufihliwe ezinyonini zezulu.

[22]Ukubhujiswa nokufa kuthi: Ngezindlebe zethu sizwile amahemuhemu akho.

[23] UNkulunkulu uyaqonda indlela yakho; yena uyazi indawo yakho.

[24]Ngokuba uyabeka imikhawulo yomhlaba, abone konke okuphansi kwezulu.

[25]Lapho emisela umoya ukusinda kwawo, elinganisa amanzi ngezilinganiso,

[26] lapho enzela imvula isimiso, nonyazi lokuduma indlela,

[27]khona wakubona, walanda ngakho, wakuhlela, wakuphenya.

[28] Wathi kubantu: Bhekani, ukwesaba iNkosi lokhu kungukuhlakanipha; ukusuka ebubini kungukuqonda.

UJobe 29

UJobe ukhumbula inhlalo yakhe yakuqala

[1]UJobe wabuye waphakamisa izwi lakhe, wathi:

[2] Sengathi nga nginjengasezinyangeni zakuqala, njengasemihleni uNkulunkulu angigcina ngayo,

[3]lapho isibani sakhe sasikhanya phezu kwekhanda lami, ngihamba ebumnyameni ngokukhanya kwakhe,

4 como fui nos dias do meu vigor, quando a amizade de Deus estava sobre a minha tenda;
5 quando o Todo-Poderoso ainda estava comigo, e os meus filhos, em redor de mim;
6 quando eu lavava os pés em leite, e da rocha me corriam ribeiros de azeite.
7 Quando eu saía para a porta da cidade, e na praça me era dado sentar-me,
8 os moços me viam e se retiravam; os idosos se levantavam e se punham em pé;
9 os príncipes reprimiam as suas palavras e punham a mão sobre a boca;
10 a voz dos nobres emudecia, e a sua língua se apegava ao paladar.
11 Ouvindo-me algum ouvido, esse me chamava feliz; vendo-me algum olho, dava testemunho de mim;
12 porque eu livrava os pobres que clamavam e também o órfão que não tinha quem o socorresse.
13 A bênção do que estava a perecer vinha sobre mim, e eu fazia rejubilar-se o coração da viúva.
14 Eu me cobria de justiça, e esta me servia de veste; como manto e turbante era a minha eqüidade.
15 Eu me fazia de olhos para o cego e de pés para o coxo.
16 Dos necessitados era pai e até as causas dos desconhecidos eu examinava.

4yebo, njengasezinsukwini zokuvuthwa kwami, lapho ubuhlobo bukaNkulunkulu babuphezu kwetende lami;
5lapho uSomandla wabe esenami, nabantwana bami babe besangizungeza;
6lapho izinyathelo zami zagezwa ngamangqanga, nedwala elalingakimi langithelela imifula yamafutha.
7 Lapho ngaphuma ngaya esangweni ngasemzini, ngalungisa isihlalo sami esigcawini,
8izinsizwa zangibona, zacasha, nezimpunga zasuka zema,
9izikhulu zayeka ukukhuluma, zabeka izandla emilonyeni yazo;
10izwi labakhulu lathuliswa; izilimi zabo zanamathela olwangeni lwabo.
11Lapho indlebe yangizwa, yangibusisa, nalapho iso langibona, langifakazela.
12 Ngokuba ngakhulula abampofu abakhalayo kanye nentandane engenamsizi.
13Isibusiso sobezakubhubha safika phezu kwami; ngenza inhliziyo yomfelokazi ukuba ihube ngokujabula.
14 Ngembatha ukulunga, kwaba yisambatho kimi; ukwahlulelwa kwami kwakunjengengubo nomqhele kimi.
15 Ngaba ngamehlo ezimpumputhe nezinyawo zezinyonga.
16Ngangingubaba wabampofu; indaba yengingamaziyo ngayiphenya.

[17] Eu quebrava os queixos do iníquo e dos seus dentes lhe fazia eu cair a vítima.

[18] Eu dizia: no meu ninho expirarei, multiplicarei os meus dias como a areia.

[19] A minha raiz se estenderá até às águas, e o orvalho ficará durante a noite sobre os meus ramos;

[20] a minha honra se renovará em mim, e o meu arco se reforçará na minha mão.

[21] Os que me ouviam esperavam o meu conselho e guardavam silêncio para ouvi-lo.

[22] Havendo eu falado, não replicavam; as minhas palavras caíam sobre eles como orvalho.

[23] Esperavam-me como à chuva, abriam a boca como à chuva de primavera.

[24] Sorria-me para eles quando não tinham confiança; e a luz do meu rosto não desprezavam.

[25] Eu lhes escolhia o caminho, assentava-me como chefe e habitava como rei entre as suas tropas, como quem consola os que pranteiam.

Jó 30

Jó lamenta a miséria em que caiu

[1] Mas agora se riem de mim os de menos idade do que eu, e cujos pais eu teria desdenhado de pôr ao lado dos cães do meu rebanho.

[17]Ngaphula imihlathi yowonayo, ngahlwitha impango emazinyweni akhe.

[18] Ngase ngithi: Ngiyakufa esidlekeni sami, ngandise izinsuku zami zibe ngangesihlabathi.

[19]Impande yami iyazivulela amanzi; amazolo alala ubusuku bonke egatsheni lami;

[20]udumo lwami lusha njalo kimi, umnsalo wami wenziwa musha esandleni sami.

[21] Abantu bangilalela belinda; bathula ngesiluleko sami.

[22]Emva kwamazwi ami ababe besakhuluma; amazwi ami aconsela phezu kwabo.

[23]Bangilindela njengemvula; bangikhamisela imilomo yabo njengokukhamisela imvula yamuva.

[24]Ngabahleka bengenakukholwa; ukukhanya kobuso bami kabakufiphazanga.

[25]Uma ngangikhethile izindlela zabo, ngangiyakuhlala emqoka, ngahlalisa okwenkosi empini, njengoduduza abalilayo.

UJobe 30

UJobe ukhala ngokudelelwa kwakhe. NoNkulunkulu uqobo uyisitha sakhe

[1] Kepha manje abancane ngeminyaka kunami bayangihleka, oyise babo engangibadelela ukuba ngingababeki naphakathi kwezinja zezimvu zami.

[2] De que também me serviria a força das suas mãos, homens cujo vigor já pereceu?

[3] De míngua e fome se debilitaram; roem os lugares secos, desde muito em ruínas e desolados.

[4] Apanham malvas e folhas dos arbustos e se sustentam de raízes de zimbro.

[5] Do meio dos homens são expulsos; grita-se contra eles, como se grita atrás de um ladrão;

[6] habitam nos desfiladeiros sombrios, nas cavernas da terra e das rochas.

[7] Bramam entre os arbustos e se ajuntam debaixo dos espinheiros.

[8] São filhos de doidos, raça infame, e da terra são escorraçados.

[9] Mas agora sou a sua canção de motejo e lhes sirvo de provérbio.

[10] Abominam-me, fogem para longe de mim e não se abstêm de me cuspir no rosto.

[11] Porque Deus afrouxou a corda do meu arco e me oprimiu; pelo que sacudiram de si o freio perante o meu rosto.

[12] À direita se levanta uma súcia, e me empurra, e contra mim prepara o seu caminho de destruição.

[13] Arruínam a minha vereda, promovem a minha calamidade; gente para quem já não há socorro.

[14] Vêm contra mim como por uma grande brecha e se revolvem avante entre as ruínas.

[2]Yebo, namandla ezandla zabo angangisiza kanjani, abantu abaphelile iziphika, na?

[3]Bondile ngokuswela nangendlala; baququda ugwadule oluyize, olwaluyilohle nakuqala.

[4]Bayakha imifino kasawoti ezihlahleni; izimpande zezinwele zingukudla kwabo.

[5]Bayaxoshwa phakathi kwabantu; bamemeza emva kwabo njengasemva kwamasela.

[6]Bahlala ezigodini ezesabekayo, nesemihumeni yomhlaba, naseziweni.

[7]Bayakhonya phakathi kwezihlahla; phansi kwezimbabazane bayabuthana,

[8]bengabantwana beziwula, abantwana babangenamagama, beshaywa, bexoshwa ezweni.

[9] Manje sengihaywa yibo, yebo, sengiyisaga sabo.

[10] Bayanengwa yimi, bemi kude nami; abayeki ukungikhafulela ngamathe.

[11]Bakhululile imichilo yabo, bangithobisa; balahlile itomu phambi kwami.

[12]Ngakwesokunene kuvuka amachwensa; agudlumeza izinyawo zami, anginqwabelela izindlela zokubhubhisa.

[13]Achitha umkhondo wami; asebenzela ukubhujiswa kwami engazibambi.

[14]Angena kungathi ngesikhala esibanzi; phakathi kwencithakalo atheleka phezu kwami.

[15] Sobrevieram-me pavores, como pelo vento é varrida a minha honra; como nuvem passou a minha felicidade.
[16] Agora, dentro de mim se me derrama a alma; os dias da aflição se apoderaram de mim.

[17] A noite me verruma os ossos e os desloca, e não descansa o mal que me rói.

[18] Pela grande violência do meu mal está desfigurada a minha veste, mal que me cinge como a gola da minha túnica.
[19] Deus, tu me lançaste na lama, e me tornei semelhante ao pó e à cinza.
[20] Clamo a ti, e não me respondes; estou em pé, mas apenas olhas para mim.
[21] Tu foste cruel comigo; com a força da tua mão tu me combates.

[22] Levantas-me sobre o vento e me fazes cavalgá-lo; dissolves-me no estrondo da tempestade.

[23] Pois eu sei que me levarás à morte e à casa destinada a todo vivente.

[24] De um montão de ruínas não estenderá o homem a mão e na sua desventura não levantará um grito por socorro?
[25] Acaso, não chorei sobre aquele que atravessava dias difíceis ou não se angustiou a minha alma pelo necessitado?

[26] Aguardava eu o bem, e eis que me veio o mal; esperava a luz, veio-me a escuridão.

[15]Ingebhe ithululwa phezu kwami; njengomoya luyaxoshwa udumo lwami; inhlalakahle yami iyadlula njengefu.
[16] Manje umphefumulo wami uthululiwe phakathi kwami; izinsuku zosizi zingibambile.
[17]Ebusuku amathambo ami ayabhotshozwa, asuke kimi; ubuhlungu obungigedlayo abuphumuli.
[18]Ngamandla amakhulu umzimba wami wonakele; unamathela kimi njengentamo yesambatho sami.
[19] Ungiphonsile odakeni; sengifana nothuli nomlotha.
[20] Ngikhala kuwe, kepha awungiphenduli; ngimi lapha, uyangibuka nje.
[21]Uyaguquka ukuze ungiphathe ngonya; ngamandla esandla sakho uyangizingela.
[22]Uyangiphakamisela emoyeni, ungikhwelisa kuwo, wenze ukuba ngincibilike ngokuhlokoma kwesivunguvungu.
[23] Ngokuba ngiyazi ukuthi ungiyisa ekufeni nasendlini yokubuthana kwabaphilayo bonke.
[24] Kepha umuntu angelule isandla sakhe encithakalweni, akhale uma esengozini, na?
[25] Angimkhalelanga yini ozinsuku zakhe zazilukhuni na? Umphefumulo wami awuhawukelanga abampofu na?
[26] Lapho ngabheka okuhle, kwafika okubi; ngalindela ukukhanya, kwafika ubumnyama.

[27] O meu íntimo se agita sem cessar; e dias de aflição me sobrevêm.
[28] Ando de luto, sem a luz do sol; levanto-me na congregação e clamo por socorro.
[29] Sou irmão dos chacais e companheiro de avestruzes.
[30] Enegrecida se me cai a pele, e os meus ossos queimam em febre.
[31] Por isso, a minha harpa se me tornou em prantos de luto, e a minha flauta, em voz dos que choram.

Jó 31

Jó declara sua integridade

[1] Fiz aliança com meus olhos; como, pois, os fixaria eu numa donzela?

[2] Que porção, pois, teria eu do Deus lá de cima e que herança, do Todo-Poderoso desde as alturas?

[3] Acaso, não é a perdição para o iníquo, e o infortúnio, para os que praticam a maldade?
[4] Ou não vê Deus os meus caminhos e não conta todos os meus passos?
[5] Se andei com falsidade, e se o meu pé se apressou para o engano

[6] (pese-me Deus em balanças fiéis e conhecerá a minha integridade);

[7] se os meus passos se desviaram do caminho, e se o meu coração segue os meus olhos, e se às minhas mãos se apegou qualquer mancha,

[27]Izibilini zami ziyaxhuxhuzela, aziphumuli; izinsuku zosizi zingehlele.
[28]Ngihamba ngimnyama, kungenziwanga yilanga; ngisukuma ebandleni ngikhala.
[29] Ngingumfowabo wamakhanka, nomngane wezintshe.
[30]Isikhumba sami simnyama, siyebuza kimi; amathambo ami ashile ngokushisa.

[31]Ihabhu lami seliphenduke isililo, nomtshingo wami uyizwi labakhalayo.

UJobe 31

UJobe uqinisa ukuthi ukuhamba kwakhe kwakulungile njalo

[1] Ngenza isivumelwano namehlo ami: ngingabuka kanjani intombi na?
[2]Ngokuba siyini isabelo ebesiyakuvela kuNkulunkulu phezulu, nefa likaSomandla ebeliyakuvela ekuphakameni, na?

[3]Akusikho ukubhubha kwabangalungile nengozi kwabenza okubi na?

[4] Yena akaboni izindlela zami, abale izinyathelo zami zonke, na?
[5] Uma ngihambile ngamanga, nonyawo lwami luphuthume enkohlisweni,
[6] mangilinganiswe ngesilinganiso esilungileyo, ukuze uNkulunkulu azi ukuphelela kwami.
[7]Uma izinyathelo zami zichezukile endleleni, inhliziyo yami yalandela amehlo ami, uma kunamathela isisihla ezandleni zami,

[8] então, semeie eu, e outro coma, e sejam arrancados os renovos do meu campo.
[9] Se o meu coração se deixou seduzir por causa de mulher, se andei à espreita à porta do meu próximo,
[10] então, moa minha mulher para outro, e outros se encurvem sobre ela.
[11] Pois seria isso um crime hediondo, delito à punição de juízes;
[12] pois seria fogo que consome até à destruição e desarraigaria toda a minha renda.
[13] Se desprezei o direito do meu servo ou da minha serva, quando eles contendiam comigo,
[14] então, que faria eu quando Deus se levantasse? E, inquirindo ele a causa, que lhe responderia eu?
[15] Aquele que me formou no ventre materno não os fez também a eles? Ou não é o mesmo que nos formou na madre?
[16] Se retive o que os pobres desejavam ou fiz desfalecer os olhos da viúva;
[17] ou, se sozinho comi o meu bocado, e o órfão dele não participou
[18] (Porque desde a minha mocidade cresceu comigo como se eu lhe fora o pai, e desde o ventre da minha mãe fui o guia da viúva.);
[19] se a alguém vi perecer por falta de roupa e ao necessitado, por não ter coberta;

[8] mangihlwanyele, kudle omunye, yebo, zisishulwe izithelo zami.
[9] Uma inhliziyo yami iyengwe ngowesifazane, ngaqamekela ngasemnyango womakhelwane wami,
[10]umkami makasilele omunye, kuguqe abanye phezu kwakhe.
[11] Ngokuba lokho ngabe kuyicala, ngabe kungububi bokujeziswa.
[12]Ngokuba kungumlilo odlayo kuze kube sekubhujisweni, kusishulwe yonke inzuzo yami.
[13] Uma ngidelele ukwahlulelwa kwenceku yami noma okwencekukazi yami, lapho bephikisana nami,
[14]ngiyakwenze njani, lapho uNkulunkulu evuka, nalapho engiphenya, ngingaphendula ngokuthini na?
[15] Owangenza mina esiswini, wabenza nabo; owasibumba esizalweni munye.
[16] Uma nginqabele abampofu abakufisayo, ngenza amehlo omfelokazi ukuba afiphale,
[17] ngadla ucezu lwami lwesinkwa ngingedwa, ingaludlanga nentandane
[18]hhayi, ikhulele kimi kwasebusheni bami njengakuyise; kwasesizalweni sikamame nganginguumholi wabafelokazi
[19]uma ngibone obhubhile ngokuswela isambatho, kungekho okokuzimboza kompofu;

[20] se os seus lombos não me abençoaram, se ele não se aquentava com a lã dos meus cordeiros;

[20]uma ukhalo lwakhe lungangibusisanga, uma engafudunyezwanga nguboya bezimvu zami;

[21] se eu levantei a mão contra o órfão, por me ver apoiado pelos juízes da porta,

[21]uma ngiphakamisele intandane isandla sami, ngokuba ngabona usizo lwami esangweni,

[22] então, caia a omoplata do meu ombro, e seja arrancado o meu braço da articulação.

[22]maliwe ihlombe lami esiphangeni, nengalo yami yaphulwe enkothweni yayo.

[23] Porque o castigo de Deus seria para mim um assombro, e eu não poderia enfrentar a sua majestade.

[23]Ngokuba ngesaba ukubhujiswa nguNkulunkulu; ngenxa yokuphakama kwakhe bengingenakwenza lutho.

[24] Se no ouro pus a minha esperança ou disse ao ouro fino: em ti confio;

[24] Uma ngibeke igolide libe yithemba lami, ngathi egolideni elihle: Ngithemba wena;

[25] se me alegrei por serem grandes os meus bens e por ter a minha mão alcançado muito;

[25]uma ngithokozile, ngokuba imfuyo yami inkulu nangokuba isandla sami sithole okuningi;

[26] se olhei para o sol, quando resplandecia, ou para a lua, que caminhava esplendente,

[26]uma ngibone ukukhanya ukuthi kuyakhazimula, nenyanga ukuthi ihamba ngencwazimulo,

[27] e o meu coração se deixou enganar em oculto, e beijos lhes atirei com a mão,

[27] kwayengwa inhliziyo yami esitha, nomlomo wanga isandla sami,

[28] também isto seria delito à punição de juízes; pois assim negaria eu ao Deus lá de cima.

[28] nalokho kwakungububi bokujeziswa, ngokuba ngangimphikile uNkulunkulu phezulu.

[29] Se me alegrei da desgraça do que me tem ódio e se exultei quando o mal o atingiu

[29] Uma ngithokozile ngengozi yongizondayo, ngaxhuma lapho eficwa ngokubi

[30] (Também não deixei pecar a minha boca, pedindo com imprecações a sua morte.);

[30] kepha angivumelanga ulimi lwami ukuba lone ngokucela ukuphila kwakhe ngesifungo

[31] se a gente da minha tenda não disse: Ah! Quem haverá aí que não se saciou de carne provida por ele

[31]uma abantu betende lami bengashongo ukuthi: Ngubani ongathola umuntu ongasuthanga ngenyama yakhe na? --

[32] (O estrangeiro não pernoitava na rua; as minhas portas abria ao viandante.)!
[33] Se, como Adão, encobri as minhas transgressões, ocultando o meu delito no meu seio;
[34] porque eu temia a grande multidão, e o desprezo das famílias me apavorava, de sorte que me calei e não saí da porta.
[35] Tomara eu tivesse quem me ouvisse! Eis aqui a minha defesa assinada! Que o Todo-Poderoso me responda! Que o meu adversário escreva a sua acusação!
[36] Por certo que a levaria sobre o meu ombro, atá-la-ia sobre mim como coroa;
[37] mostrar-lhe-ia o número dos meus passos; como príncipe me chegaria a ele.
[38] Se a minha terra clamar contra mim, e se os seus sulcos juntamente chorarem;
[39] se comi os seus frutos sem tê-la pago devidamente e causei a morte aos seus donos,

[40] por trigo me produza cardos, e por cevada, joio. Fim das palavras de Jó.

Jó 32

Eliú irado contra Jó e seus três amigos

[1] Cessaram aqueles três homens de responder a Jó no tocante ao se ter ele por justo aos seus próprios olhos.

[2] Então, se acendeu a ira de Eliú, filho de Baraquel, o buzita, da família de Rão; acendeu-se a sua ira contra Jó, porque este pretendia ser mais justo do que Deus.

[32] abafokazi kabalalanga phandle, ngavulela izihambi iminyango yami --
[33]uma ngisibekele iziphambeko zami njengo-Adamu ngokufihla ububi bami esifubeni sami,
[34] ngokuba ngesaba isixuku esikhulu, ngaba novalo lokudelelwa ngabomndeni, ngaze ngathula, angaphuma emnyango --
[35] sengathi angaba khona ongizwayo nantu uphawu lwami, makangiphendule uSomandla -- ngibe nencwadi ayilobileyo omelana nami!
[36]Ngangiyakuyithwala emahlombe ami, ngiyibophe ibe ngumqhele kimi,
[37]ngimlandise ngomumo wezinyathelo zami, ngisondele kuye njengesikhulu.
[38] Uma umhlaba wami ukhalile ngami, nemisele yawo ililile kanyekanye;
[39]uma ngidlile izithelo zawo ngingenamali, ngenza ukuba bafe abaniniwo,
[40]makuhlume ikhakhasi esikhundleni sikakolweni, kuvele ukhula endaweni yebhali. Amazwi kaJobe asephelile.

UJobe 32

U-Elihu uyaqhamuka

[1]Lawo madoda amathathu ayeseyeka ukumphendula uJobe, ngokuba wayelungile emehlweni akhe.
[2] Lwase luvutha ulaka luka-Elihu, indodana kaBarakeli, umBuzi womndeni kaRamu; ulaka lwakhe lwavuthela uJobe, ngokuba wazithetha yena kunoNkulunkulu.

[3] Também a sua ira se acendeu contra os três amigos, porque, mesmo não achando eles o que responder, condenavam a Jó.

[4] Eliú, porém, esperara para falar a Jó, pois eram de mais idade do que ele.

[5] Vendo Eliú que já não havia resposta na boca daqueles três homens, a sua ira se acendeu.

Eliú vinga o seu direito de responder a Jó

[6] Disse Eliú, filho de Baraquel, o buzita: Eu sou de menos idade, e vós sois idosos; arreceei-me e temi de vos declarar a minha opinião.

[7] Dizia eu: Falem os dias, e a multidão dos anos ensine a sabedoria.

[8] Na verdade, há um espírito no homem, e o sopro do Todo-Poderoso o faz sábio.

[9] Os de mais idade não é que são os sábios, nem os velhos, os que entendem o que é reto.

[10] Pelo que digo: dai-me ouvidos, e também eu declararei a minha opinião.

[11] Eis que aguardei as vossas palavras e dei ouvidos às vossas considerações, enquanto, quem sabe, buscáveis o que dizer.

[12] Atentando, pois, para vós outros, eis que nenhum de vós houve que refutasse a Jó, nem que respondesse às suas razões.

[3]Ulaka lwakhe lwavuthela nabangane bakhe abathathu, ngokuba noma bengafumananga impendulo, bamlahla nokho uJobe.

[4]U-Elihu wayelindele ukukhuluma kuJobe, ngokuba bona babebadala kunaye.

[5]Lapho u-Elihu esebona ukuthi ayikho impendulo emilonyeni yalawo madoda amathathu, lwavutha ulaka lwakhe.

[6]U-Elihu, indodana kaBarakeli, umBuzi, wayesethatha-ke, wathi: Mina ngisemusha ngeminyaka, nina nibadala; ngalokho nganginamahloni, ngesaba ukunitshela umqondo wami.

[7] Ngathi: Makukhulume izinsuku, ubuningi beminyaka bazise ukuhlakanipha.

[8]Nokho kukhona umoya kumuntu; ukuphefumula kukaSomandla kuyabaqondisa.

[9]Abakhulu abahlakaniphile, nabadala abaqondi ukwahlulela.

[10] Ngalokho ngithi: Ngizweni; nami ngiyakusho umqondo wami.

[11]Bhekani, ngilindele amazwi enu, ngabeka indlebe emiqondweni yenu, nisaphenya eniyakukusho.

[12]Nganilalela nina; bhekani, kwakungekho noyedwa owamahlula uJobe nowaphendula amazwi akhe phakathi kwenu.

[13] Não vos desculpeis, pois, dizendo: Achamos sabedoria nele; Deus pode vencê-lo, e não o homem.
[14] Ora, ele não me dirigiu palavra alguma, nem eu lhe retorquirei com as vossas palavras.
[15] Jó, os três estão pasmados, já não respondem, faltam-lhes as palavras.
[16] Acaso, devo esperar, pois não falam, estão parados e nada mais respondem?
[17] Também eu concorrerei com a minha resposta; declararei a minha opinião.
[18] Porque tenho muito que falar, e o meu espírito me constrange.
[19] Eis que dentro de mim sou como o vinho, sem respiradouro, como odres novos, prestes a arrebentar-se.
[20] Permiti, pois, que eu fale para desafogar-me; abrirei os lábios e responderei.
[21] Não farei acepção de pessoas, nem usarei de lisonjas com o homem.
[22] Porque não sei lisonjear; em caso contrário, em breve me levaria o meu Criador.

Jó 33

Eliú repreende a Jó

[1] Ouve, pois, Jó, as minhas razões e dá ouvidos a todas as minhas palavras.
[2] Passo agora a falar, em minha boca fala a língua.
[3] As minhas razões provam a sinceridade do meu coração, e os meus lábios proferem o puro saber.

[13]Maningasho ukuthi: Sifumene ukuhlakanipha; uNkulunkulu angamphengulula, hhayi umuntu.
[14]Akahlelelanga mina amazwi akhe; angiyikumphendula ngezinkulumo zenu.
[15] Bayakhungatheka, abasaphenduli; baphelelwa ngamazwi.
[16]Ngibalindele yini, uma bengakhulumi, na? Ngokuba bemi bengasaphenduli.
[17]Nami ngiyakuphendula okwami, ngitshengise nami umqondo wami.
[18]Ngokuba ngigcwele amazwi; umoya phakathi kwami uyangiqhubezela.
[19]Bhekani, okuphakathi kwami kunjengewayini elingenambobo; kucishe ukuqhuma njengezimvaba ezintsha.
[20]Ngiyakukhuluma ukuba ngikhululeke; ngiyakuvula izindebe zami ukuba ngiphendule.
[21]Mangingakhethi ubuso bamuntu, ngingathophi nobani.
[22]Ngokuba angikwazi ukuthopha; uma kunjalo, uMenzi wami angangisusa masinyane.

UJobe 33

U-Elihu ukhuza uJobe ngokusola kwakhe uNkulunkulu

[1] Kepha manje, Jobe mawuzwe amazwi ami,
[2]Bheka-ke, sengivula umlomo wami; ulimi lwami lukhuluma emlonyeni wami.
[3]Amazwi ami avela enhliziyweni yami eqotho; okwaziwa yizindebe zami ziyakukhuluma ngesiminya.

[4] O Espírito de Deus me fez, e o sopro do Todo-Poderoso me dá vida.

[5] Se podes, contesta-me, dispõe bem as tuas razões perante mim e apresenta-te.

[6] Eis que diante de Deus sou como tu és; também eu sou formado do barro.

[7] Por isso, não te inspiro terror, nem será pesada sobre ti a minha mão.

[8] Na verdade, falaste perante mim, e eu ouvi o som das tuas palavras:

[9] Estou limpo, sem transgressão; puro sou e não tenho iniqüidade.

[10] Eis que Deus procura pretextos contra mim e me considera como seu inimigo.

[11] Põe no tronco os meus pés e observa todas as minhas veredas.

[12] Nisto não tens razão, eu te respondo; porque Deus é maior do que o homem.

[13] Por que contendes com ele, afirmando que não te dá contas de nenhum dos seus atos?

[14] Pelo contrário, Deus fala de um modo, sim, de dois modos, mas o homem não atenta para isso.

[15] Em sonho ou em visão de noite, quando cai sono profundo sobre os homens, quando adormecem na cama,

[16] então, lhes abre os ouvidos e lhes sela a sua instrução,

[17] para apartar o homem do seu desígnio e livrá-lo da soberba;

[4]Umoya kaNkulunkulu ungenzile, nokuphefumula kukaSomandla kunginika ukuphila.

[5]Uma ukwazi, ngiphendule; zihlele phambi kwami, ume.

[6] Bheka, nginjengawe maqondana noNkulunkulu: ngibunjiwe nami ngebumba.

[7]Bheka, ingebhe ngami ayiyikukugebhezisa, nesandla sami esiphezu kwakho asiyikukusinda.

[8] Impela wakhuluma ezindlebeni zami, ngezwa izwi lokukhuluma kwakho ukuthi:

[9] Ngimsulwa, anginasiphambeko; ngimhlophe, akukho okubi kimi.

[10] Bheka, uthola amathuba ngami, ungishaya isitha sakhe.

[11] Ufaka izinyawo zami ezingongolweni, aqaphele zonke izindlela zami.

[12] Bheka, ngiyakuphendula ukuthi awuthethanga kahle lokho, ngokuba uNkulunkulu mkhulu kunomuntu.

[13] Umphikiselani ngokuthi: Akaphenduli nelilodwa lamazwi ami.

[14]Ngokuba uNkulunkulu ukhuluma kanye, yebo, nakabili, umuntu engakunaki.

[15]Ephusheni nasembonweni wasebusuku, lapho abantu behlelwe ngubuthongo obunzima, bozela emacansini,

[16] khona uyavula izindlebe zabantu, abeke uphawu ekufundisweni kwabo,

[17]ukuze aphambukise umuntu ekwenzeni kwakhe, anqume ukuzidla kumuntu;

[18] para guardar a sua alma da cova e a sua vida de passar pela espada.

[19] Também no seu leito é castigado com dores, com incessante contenda nos seus ossos;

[20] de modo que a sua vida abomina o pão, e a sua alma, a comida apetecível.

[21] A sua carne, que se via, agora desaparece, e os seus ossos, que não se viam, agora se descobrem.

[22] A sua alma se vai chegando à cova, e a sua vida, aos portadores da morte.

[23] Se com ele houver um anjo intercessor, um dos milhares, para declarar ao homem o que lhe convém,

[24] então, Deus terá misericórdia dele e dirá ao anjo: Redime-o, para que não desça à cova; achei resgate.

[25] Sua carne se robustecerá com o vigor da sua infância, e ele tornará aos dias da sua juventude.

[26] Deveras orará a Deus, que lhe será propício; ele, com júbilo, verá a face de Deus, e este lhe restituirá a sua justiça.

[27] Cantará diante dos homens e dirá: Pequei, perverti o direito e não fui punido segundo merecia.

[28] Deus redimiu a minha alma de ir para a cova; e a minha vida verá a luz.

[18]unqanda umphefumulo wakhe ekubhujisweni, nokuphila kwakhe ukuba kungachithwa ngomkhonto.

[19]Uyajeziswa ngobuhlungu nasecansini lakhe, nangokulwa okungapheliyo emathanjeni akhe.

[20]Inhliziyo iyanengwa ngukudla, nomphefumulo wakhe uzonda ukudla okade ukufisa.

[21]Inyama yakhe iyadliwa, ingabe isabonwa; amathambo akhe akade engabonakali aseqhamukile.

[22]Umphefumulo wakhe uyasondela egodini, nokuphila kwakhe kubabulali.

[23] Uma kukhona ingelosi kuye, nehumusha noma yiliphi enkulungwaneni lokuba litshele umuntu okumlungeleyo,

[24]uNkulunkulu abeseba nomusa kuye, athi: Mkhulule ukuba angehleli egodini, sengitholile ihlawulo,

[25]inyama yakhe ibe ntsha kuneyomntwana, abuyele emihleni yobusha bakhe,

[26] khona uyakunxusa uNkulunkulu ukuba abe nomusa kuye, abone ubuso bakhe ngokujabula, abesebuyisela kumuntu ukulunga kwakhe.

[27]Usehlabelela phambi kwabantu, uthi: Ngonile, ngahlanekezela ukulunga, kepha akwenziwanga kimi njengokufaneleyo:

[28]uhlengile umphefumulo wami ukuba ungadluleli egodini; ngiyakubona ukukhanya ngiphila.

29 Eis que tudo isto é obra de Deus, duas e três vezes para com o homem,

30 para reconduzir da cova a sua alma e o alumiar com a luz dos viventes.

31 Escuta, pois, ó Jó, ouve-me; cala-te, e eu falarei.

32 Se tens alguma coisa que dizer, responde-me; fala, porque desejo justificar-te.

33 Se não, escuta-me; cala-te, e ensinar-te-ei a sabedoria.

29 Bhekani, konke lokhu uNkulunkulu uyakwenza kabili, yebo, kathathu kumuntu

30 ukuba abuyise umphefumulo wakhe egodini, akhanyiselwe ngokukhanya kwabaphilayo.

31 Yizwa, Jobe, ungilalele; thula, mina ngizakukhuluma.

32 Uma unamazwi, ngiphendule; khuluma, ngokuba ngifisa ukukuthethelela.

33 Uma ungenawo, ngilalele wena; thula, ngiyakukufundisa ukuhlakanipha.

Jó 34

Eliú justifica a Deus

1 Disse mais Eliú:

2 Ouvi, ó sábios, as minhas razões; vós, instruídos, inclinai os ouvidos para mim.

3 Porque o ouvido prova as palavras, como o paladar, a comida.

4 O que é direito escolhamos para nós; conheçamos entre nós o que é bom.

5 Porque Jó disse: Sou justo, e Deus tirou o meu direito.

6 Apesar do meu direito, sou tido por mentiroso; a minha ferida é incurável, sem que haja pecado em mim.

7 Que homem há como Jó, que bebe a zombaria como água?

8 E anda em companhia dos que praticam a iniqüidade e caminha com homens perversos?

9 Pois disse: De nada aproveita ao homem o comprazer-se em Deus.

UJobe 34

U-Elihu uvikela ukulunga kukaNkulunkulu

1 U-Elihu wathatha wathi:

2 Yizwani amazwi ami, nina zihlakaniphi, nibeke indlebe kimi nina zazi.

3 Ngokuba indlebe iyavivinya amazwi, njengokuba ulwanga luzwa ukudla.

4 Masizikhethele okulungileyo, sazi phakathi kwethu okuhle.

5 Ngokuba uJobe uthe: Ngilungile; uNkulunkulu ususile ukwahlulelwa kwami.

6 Phezu kokwahlulelwa kwami ngishaywa onamanga; inxeba lami alinakupholiswa, noma ngingenasiphambeko.

7 Ngumuphi umuntu onjengoJobe ophuza usulu njengamanzi,

8 ohamba ngokwazana nabenza okubi, ahambisane nabantu ababi, na?

9 Ngokuba uthi: Akunalusizo kumuntu ukuba azane noNkulunkulu.

[10] Pelo que vós, homens sensatos, escutai-me: longe de Deus o praticar ele a perversidade, e do Todo-Poderoso o cometer injustiça.

[11] Pois retribui ao homem segundo as suas obras e faz que a cada um toque segundo o seu caminho.

[12] Na verdade, Deus não procede maliciosamente; nem o Todo-Poderoso perverte o juízo.

[13] Quem lhe entregou o governo da terra? Quem lhe confiou o universo?

[14] Se Deus pensasse apenas em si mesmo e para si recolhesse o seu espírito e o seu sopro,

[15] toda a carne juntamente expiraria, e o homem voltaria para o pó.

[16] Se, pois, há em ti entendimento, ouve isto; inclina os ouvidos ao som das minhas palavras.

[17] Acaso, governaria o que aborrecesse o direito? E quererás tu condenar aquele que é justo e poderoso?

[18] Dir-se-á a um rei: Oh! Vil? Ou aos príncipes: Oh! Perversos?

[19] Quanto menos àquele que não faz acepção das pessoas de príncipes, nem estima ao rico mais do que ao pobre; porque todos são obra de suas mãos.

[20] De repente, morrem; à meia-noite, os povos são perturbados e passam, e os poderosos são tomados por força invisível.

[10] Ngalokho ngizweni nina bantu abanokuqonda; makube kude noNkulunkulu ukuba enze okubi, nakuSomandla ukuba enze ukona.

[11] Ngokuba uyabuyisela kumuntu njengokwenza kwakhe, atholise kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe.

[12] Impela uNkulunkulu akenzi okubi; uSomandla kahlanekezeli ukwahlulela.

[13]Ngubani owambeka phezu komhlaba na? Ngubani owamisa izwe lonke na?

[14]Uma ebeyakuzibheka yena, azibuyisele umoya wakhe nomphefumulo wakhe,

[15] inyama yonke ibiyakufa kanyekanye, umuntu abuyele othulini.

[16] Uma unengqondo, yizwa lokhu, ulalele izwi lokukhuluma kwami.

[17] Imbala ozonda ukwahlulela uyakubusa na? Uyakumlahla olungileyo nonamandla

[18]oshoyo enkosini ukuthi: Muntu omubi, nasezikhulwini: Mashinga,

[19] ongakhethi ubuso bezikhulu, onganaki ocebileyo kunompofu, na? Ngokuba bonke bangumsebenzi wezandla zakhe.

[20] Bayafa ngokuphazima kweso; phakathi kwamabili abantu bayathuthumela, banyamalale; amaqhawe ayasuswa, kepha kungengasandla.

21 Os olhos de Deus estão sobre os caminhos do homem e vêem todos os seus passos.

21 Ngokuba amehlo akhe akuzo izindlela zomuntu; ubona zonke izinyathelo zakhe.

22 Não há trevas nem sombra assaz profunda, onde se escondam os que praticam a iniqüidade.

22 Abukho ubumnyama, nethunzi lokufa alikho, lapho abenza okubi bengacasha khona.

23 Pois Deus não precisa observar por muito tempo o homem antes de o fazer ir a juízo perante ele.

23 Ngokuba akadingi ukuba abelokhu ebheka umuntu ukuba aye kuNkulunkulu ukwahlulelwa.

24 Quebranta os fortes, sem os inquirir, e põe outros em seu lugar.

24 Uyaphahlaza abanamandla, kungahlolwanga, amise abanye ezikhundleni zabo.

25 Ele conhece, pois, as suas obras; de noite, os transtorna, e ficam moídos.

25 Ngalokho uyazi imisebenzi yabo; uyabagumbuqela ebusuku, bachotshozwe.

26 Ele os fere como a perversos, à vista de todos;

26 Uyabashaya njengababi endaweni lapho bebonwa khona,

27 porque dele se desviaram, e não quiseram compreender nenhum de seus caminhos,

27 ngokuba bachezuka ekumlandeleni, abanakanga neyodwa yezindlela zakhe,

28 e, assim, fizeram que o clamor do pobre subisse até Deus, e este ouviu o lamento dos aflitos.

28 baze benza ukuba ukukhala kwabampofu kufike kuye, wezwa ukukhala kwabahluphekayo.

29 Se ele aquietar-se, quem o condenará? Se encobrir o rosto, quem o poderá contemplar, seja um povo, seja um homem?

29 Lapho yena ethula, ngubani ongalahla, nalapho ethukusa ubuso bakhe, ngubani ongambona na? Ubusa ngokufananayo, noma kuyisizwe noma kungumuntu,

30 Para que o ímpio não reine, e não haja quem iluda o povo.

30 ukuba kungabusi muntu ongenaNkulunkulu, abantu bacushwe.

31 Se alguém diz a Deus: Sofri, não pecarei mais;

31 Ngokuba ukhona oke wathi kuNkulunkulu: Ngithweswe icala noma ngingonanga, na?

32 o que não vejo, ensina-mo tu; se cometi injustiça, jamais a tornarei a praticar,

32 Lokhu engingakuboni, ngifundise khona; uma ngenzile okubi, angisayikukuphinda.

[33] acaso, deve ele recompensar-te segundo tu queres ou não queres? Acaso, deve ele dizer-te: Escolhe tu, e não eu; declara o que sabes, fala?

[34] Os homens sensatos dir-me-ão, dir-me-á o sábio que me ouve:

[35] Jó falou sem conhecimento, e nas suas palavras não há sabedoria.

[36] Tomara fosse Jó provado até ao fim, porque ele respondeu como homem de iniqüidade.

[37] Pois ao seu pecado acrescenta rebelião, entre nós, com desprezo, bate ele palmas e multiplica as suas palavras contra Deus.

[33]Uyakuphindisela njengokuthanda kwakho, lokhu ukwenqaba, na? Ngokuba nguwe ozakukhetha, akusimina; khuluma okwaziyo.

[34] Abantu abanokuqonda bayakusho kimi, yebo, nezihlakaniphi, lapho zingizwa, ziyakuthi:

[35]UJobe ukhuluma engenalwazi; amazwi akhe awanangqondo.

[36]Sengathi uJobe angavivinywa kuze kube sekupheleni, ngokuba uphendula njengabantu ababi.

[37]Ngokuba uyenezela ukuhlubuka esonweni sakhe; ushaya ihlombe phakathi kwethu, andise amazwi akhe kuNkulunkulu.

Jó 35

Deus não ouve os aflitos, porque estes não têm fé

[1] Disse mais Eliú:

[2] Achas que é justo dizeres: Maior é a minha justiça do que a de Deus?

[3] Porque dizes: De que me serviria ela? Que proveito tiraria dela mais do que do meu pecado?

[4] Dar-te-ei resposta, a ti e aos teus amigos contigo.

[5] Atenta para os céus e vê; contempla as altas nuvens acima de ti.

[6] Se pecas, que mal lhe causas tu? Se as tuas transgressões se multiplicam, que lhe fazes?

[7] Se és justo, que lhe dás ou que recebe ele da tua mão?

UJobe 35

U-Elihu uthi: UNkulunkulu umelwe ukufunwa ngokuthobeka

[1]U-Elihu wathatha wathi:

[2] Usho uthi lokhu kulungile na? Uthi: Yilungelo lami kuNkulunkulu yini,

[3] njengokuba uthi: Kungisiza ngani? nokuthi: Ngizuzeni kunalokho ebengiyakukuzuza, uma ngonile, na?

[4] Ngizakukuphendula mina ngamazwi, wena nabangane bakho.

[5]Bheka ngasezulwini, ubone, uqaphele amafu aphakeme kunawe.

[6] Uma wona, wenzani kuye na? Uma iziphambeko zakho zizininingi, wenzani kuyena na?

[7] Uma ulungile, umnikani yena, noma umukelani esandleni sakho na?

[8] A tua impiedade só pode fazer o mal ao homem como tu mesmo; e a tua justiça, dar proveito ao filho do homem.

[9] Por causa das muitas opressões, os homens clamam, clamam por socorro contra o braço dos poderosos.

[10] Mas ninguém diz: Onde está Deus, que me fez, que inspira canções de louvor durante a noite,

[11] que nos ensina mais do que aos animais da terra e nos faz mais sábios do que as aves dos céus?

[12] Clamam, porém ele não responde, por causa da arrogância dos maus.

[13] Só gritos vazios Deus não ouvirá, nem atentará para eles o Todo-Poderoso.

[14] Jó, ainda que dizes que não o vês, a tua causa está diante dele; por isso, espera nele.

[15] Mas agora, porque Deus na sua ira não está punindo, nem fazendo muito caso das transgressões,

[16] abres a tua boca, com palavras vãs, amontoando frases de ignorante.

Jó 36

No sofrer do homem, Deus lhe visa o bem

[1] Prosseguiu Eliú e disse:

[2] Mais um pouco de paciência, e te mostrarei que ainda tenho argumentos a favor de Deus.

[3] De longe trarei o meu conhecimento e ao meu Criador atribuirei a justiça.

[8]Ububi bakho buqondene nomuntu onjengawe, nokulunga kwakho kuthintana nendodana yomuntu.

[9] Abantu bakhala ngobuningi bezinkahlo; bakhala ngokusizwa ngenxa yengalo yabanamandla.

[10]Kepha akakho othi: Uphi uNkulunkulu, uMenzi wami, ozwakalisa amahubo ebusuku,

[11]osifundisa phezu kwezilwane zomhlaba, asenze sihlakaniphe phezu kwezinyoni zezulu.

[12]Lapho bayakhala ngokuzidla kwababi, kepha akaphenduli.

[13]Impela uNkulunkulu akezwa okuyize, uSomandla akayikukunakekela;

[14] kakhulu kangakanani, lapho uthi awumboni nokuthi, noma icala liphambi kwakhe, usamhlalela, na?

[15] Kepha manje, ngokuba intukuthelo yakhe ingajezisi, anganaki kakhulu iziphambeko,

[16] uJobe uvulela ize umlomo wakhe; uyandisa amazwi engenalwazi.

UJobe 36

U-Elihu uthi: UNkulunkulu ufuna kuphela ukuba isoni siphenduke

[1]U-Elihu waqhubeka wathi:

[2] Ngihlalele kancane, ngiyakukubonisa, ngokuba ngisenamazwi okummela uNkulunkulu.

[3]Ngiyakulanda kude ulwazi lwami, nginike uMenzi wami ukulunga.

[4] Porque, na verdade, as minhas palavras não são falsas; contigo está quem é senhor do assunto.

[5] Eis que Deus é mui grande; contudo a ninguém despreza; é grande na força da sua compreensão.

[6] Não poupa a vida ao perverso, mas faz justiça aos aflitos.

[7] Dos justos não tira os olhos; antes, com os reis, no trono os assenta para sempre, e são exaltados.

[8] Se estão presos em grilhões e amarrados com cordas de aflição,

[9] ele lhes faz ver as suas obras, as suas transgressões, e que se houveram com soberba.

[10] Abre-lhes também os ouvidos para a instrução e manda-lhes que se convertam da iniqüidade.

[11] Se o ouvirem e o servirem, acabarão seus dias em felicidade e os seus anos em delícias.

[12] Porém, se não o ouvirem, serão traspassados pela lança e morrerão na sua cegueira.

[13] Os ímpios de coração amontoam para si a ira; e, agrilhoados por Deus, não clamam por socorro.

[14] Perdem a vida na sua mocidade e morrem entre os prostitutos cultuais.

[15] Ao aflito livra por meio da sua aflição e pela opressão lhe abre os ouvidos.

[16] Assim também procura tirar-te das fauces da angústia para um lugar

[4]Impela amazwi ami awasiwo amanga; unawe ophelele ekwazini.

[5] Bheka, uNkulunkulu unamandla, kepha kadeleli muntu; mkhulu emandleni okuqonda.

[6]Akenzi ukuba omubi aphile, kepha abampofu uyabanika ukwahlulelwa.

[7] Akabuyisi amehlo akhe kwabalungileyo, kepha ubahlalisa namakhosi ezihlalweni zobukhosi, baphakame kuze kube phakade.

[8]Uma beboshwa ngamaketanga, babanjwe ngezintambo zokuhlupheka,

[9]uyababonisa izenzo zabo neziphambeko zabo zokuthi baziphakamisile.

[10] Uyavulela izindlebe zabo ukulaywa, asho ukuba babuye ebubini.

[11] Uma belalela, bamkhonze, bayakuqeda imihla yabo ebuhleni neminyaka yabo kukho okumnandi.

[12]Kepha uma bengalaleli, bayakuphela ngenkemba, bafe bengenalwazi.

[13] Abangesabi ngenhliziyo baqongelela ulaka; abakhali lapho ebabopha.

[14]Bafa besebasha, ukuphila kwabo kube njengokwezifebe zethempeli.

[15]Ukhulula ompofu ngobumpofu bakhe, avule indlebe yabo ngokuhlupheka.

[16] Yebo, nga ekuvusa ukuba uphume emlonyeni wosizi, uye endaweni ebanzi,

espaçoso, em que não há aperto, e as iguarias da tua mesa seriam cheias de gordura;

lapho kungekho kunyinyeka khona, kunone okubekwa etafuleni lakho.

[17] mas tu te enches do juízo do perverso, e, por isso, o juízo e a justiça te alcançarão.

[17]Kepha ugcwele ukwahlulelwa kwababi; ukwahlulela nokulunga kuyakubamba.

[18] Guarda-te, pois, de que a ira não te induza a escarnecer, nem te desvie a grande quantia do resgate.

[18]Xwaya ukuba ulaka lungakuvusi usashaywa, ungachezukiswa ngobuningi bamahlawulo.

[19] Estimaria ele as tuas lamúrias e todos os teus grandes esforços, para que te vejas livre da tua angústia?

[19]Ukukhala kwakho kungakusiza ukuba ungahlali osizini, nazo zonke izikhwepha zamandla akho, na?

[20] Não suspires pela noite, em que povos serão tomados do seu lugar.

[20] Ungafisi ubusuku, lapho abantu beyakususwa ezindaweni zabo.

[21] Guarda-te, não te inclines para a iniqüidade; pois isso preferes à tua miséria.

[21]Xwaya ukuba ungabhekisi ubuso bakho ebubini, ngokuba ukhethile lokho kunokuhlupheka.

[22] Eis que Deus se mostra grande em seu poder! Quem é mestre como ele?

[22] Bheka, uNkulunkulu uphakeme ngamandla akhe; ngubani ofundisa njengaye na?

[23] Quem lhe prescreveu o seu caminho ou quem lhe pode dizer: Praticaste a injustiça?

[23] Ngubani ommisele indlela yakhe na? Ngubani ongasho ukuthi: Wenzile okubi, na?

Eliú exalta a majestade de Deus

[24] Lembra-te de lhe magnificares as obras que os homens celebram.

[24]Khumbula ukukhulisa izenzo zakhe abahlabelela ngazo abantu.

[25] Todos os homens as contemplam; de longe as admira o homem.

[25] Bonke abantu bayazibona; abokufa bayazibuka besekude.

[26] Eis que Deus é grande, e não o podemos compreender; o número dos seus anos não se pode calcular.

[26] Bheka, uNkulunkulu uphakeme, asimqondi; umumo weminyaka yakhe ayinakuphenywa.

[27] Porque atrai para si as gotas de água que de seu vapor destilam em chuva,

[27] Wenyusa amathonsi amanzi, abuye awathulule njengemvula enkungwini yakhe;

[28] a qual as nuvens derramam e gotejam sobre o homem abundantemente.

[28]amafu awenza ukuba aconse, awathele phezu kwabantu abaningi.

[29] Acaso, pode alguém entender o estender-se das nuvens e os trovões do seu pavilhão?
[30] Eis que estende sobre elas o seu relâmpago e encobre as profundezas do mar.
[31] Pois por estas coisas julga os povos e lhes dá mantimento em abundância.
[32] Enche as mãos de relâmpagos e os dardeja contra o adversário.
[33] O fragor da tempestade dá notícias a respeito dele, dele que é zeloso na sua ira contra a injustiça.

[29]Ukhona ongaqonda ukwenekeka kwamafu nokuduma kwedokodo lakhe na?
[30]Bheka, uyasakaza ukukhanya kwakhe ngakuye; uyasibekela ubuphansi bolwandle.
[31]Ngokuba ngalokho uyabahlulela abantu, aphane kakhulu ngokudla.
[32]Uyasibekela izandla zakhe ngokukhanya, akuyale ukuba kushaye isigcibisholo.
[33]Umsindo wakhe ulanda ngaye oshisekela ububi ngentukuthelo.

Jó 37

[1] Sobre isto treme também o meu coração e salta do seu lugar.
[2] Dai ouvidos ao trovão de Deus, estrondo que sai da sua boca;
[3] ele o solta por debaixo de todos os céus, e o seu relâmpago, até aos confins da terra.
[4] Depois deste, ruge a sua voz, troveja com o estrondo da sua majestade, e já ele não retém o relâmpago quando lhe ouvem a voz.
[5] Com a sua voz troveja Deus maravilhosamente; faz grandes coisas, que nós não compreendemos.
[6] Porque ele diz à neve: Cai sobre a terra; e à chuva e ao aguaceiro: Sede fortes.

UJobe 37

U-Elihu uthi: Ukuhlakanipha namandla kaNkulunkulu kukhonjwa ngokubusa kwakhe ukuduma nemvula

[1] Yebo, ngenxa yalokho iyathuthumela inhliziyo yami, isuke endaweni yayo.
[2] Yizwani, nizwe indumo yezwi lakhe, nemvunge ephuma emlonyeni wakhe.
[3]Uyakukhipha phansi kwalo lonke izulu, nonyazi lwakhe luya emagumbini omhlaba.
[4]Emva kwalo kuduma izwi; uduma ngezwi lobukhosi bakhe; kalumisi unyazi, lapho lizwakala izwi lakhe.
[5] UNkulunkulu uyaduma ngezwi lakhe ngokumangalisayo; wenza izinto ezinkulu esingaziqondi.
[6]Ngokuba uthi eqhweni: Khithika emhlabeni; kanjalo nasesihlambini semvula, yebo, ezihlambini zemvula zakhe ezinamandla.

[7] Assim, torna ele inativas as mãos de todos os homens, para que reconheçam as obras dele.

[8] E as alimárias entram nos seus esconderijos e ficam nas suas cavernas.

[9] De suas recâmaras sai o pé-de-vento, e, dos ventos do norte, o frio.

[10] Pelo sopro de Deus se dá a geada, e as largas águas se congelam.

[11] Também de umidade carrega as densas nuvens, nuvens que espargem os relâmpagos.

[12] Então, elas, segundo o rumo que ele dá, se espalham para uma e outra direção, para fazerem tudo o que lhes ordena sobre a redondeza da terra.

[13] E tudo isso faz ele vir para disciplina, se convém à terra, ou para exercer a sua misericórdia.

[14] Inclina, Jó, os ouvidos a isto, pára e considera as maravilhas de Deus.

[15] Porventura, sabes tu como Deus as opera e como faz resplandecer o relâmpago da sua nuvem?

[16] Tens tu notícia do equilíbrio das nuvens e das maravilhas daquele que é perfeito em conhecimento?

[17] Que faz aquecer as tuas vestes, quando há calma sobre a terra por causa do vento sul?

[18] Ou estendeste com ele o firmamento, que é sólido como espelho fundido?

[7]Uyanamathelisa izandla zabantu bonke ukuba bonke abantu bazi imisebenzi yakhe.

[8]Seziya izilwane ezikhundleni zazo, zihlale emihumeni yazo.

[9] Isikhwishikhwishi siphuma ekamelweni laso, namakhaza emimoyeni ehlakazayo.

[10] Ngokuphefumula kukaNkulunkulu kuvela ungqoqwane, ububanzi bamanzi buqine.

[11]Yebo, uyathwesa amafu ngokuswakama; uyeneka amafu onyazi lwakhe.

[12] Ayajika, aphenduke njengokunquma kwakhe ukuba enze konke awayalayo ebusweni bomhlaba owakhiweyo,

[13]awafikise abe luswazi, afike ngenxa yomhlaba noma ngenxa yomusa.

[14] Beka indlebe kulokhu, Jobe; yima, uqonde izimangaliso zikaNkulunkulu.

[15]Uyazi yini ukuthi uNkulunkulu uwayala kanjani, enze ukuba unyazi lwamafu akhe lukhanye na?

[16]Uyaqonda yini ukulinganiswa kwamafu, izimangaliso zoPhelele olwazini,

[17]wena ozingubo zakho zifudumala, lapho ethulisa umhlaba ngeshisandlu, na?

[18]Ungeneka isibhakabhaka njengaye, esiqinile njengesibuko esibunjiweyo, na?

[19] Ensina-nos o que lhe diremos; porque nós, envoltos em trevas, nada lhe podemos expor.

[20] Contar-lhe-ia alguém o que tenho dito? Seria isso desejar o homem ser devorado.

[21] Eis que o homem não pode olhar para o sol, que brilha no céu, uma vez passado o vento que o deixa limpo.

[22] Do norte vem o áureo esplendor, pois Deus está cercado de tremenda majestade.

[23] Ao Todo-Poderoso, não o podemos alcançar; ele é grande em poder, porém não perverte o juízo e a plenitude da justiça.

[24] Por isso, os homens o temem; ele não olha para os que se julgam sábios.

Jó 38

O Senhor convence a Jó de ignorância

[1] Depois disto, o SENHOR, do meio de um redemoinho, respondeu a Jó:

[2] Quem é este que escurece os meus desígnios com palavras sem conhecimento?

[3] Cinge, pois, os lombos como homem, pois eu te perguntarei, e tu me farás saber.

[4] Onde estavas tu, quando eu lançava os fundamentos da terra? Dize-mo, se tens entendimento.

[5] Quem lhe pôs as medidas, se é que o sabes? Ou quem estendeu sobre ela o cordel?

[19]Sifundise ukuthi siyakuthini kuye; asinakuhlela indaba yethu ngenxa yobumnyama.

[20]Uyakutshelwa ukuthi ngiyakhuluma na? Ukhona yini oshoyo ukuthi makabhubhe na?

[21]Manje, abantu abanakukubona ukukhanya okukhazimula esibhakabhakeni,

[22]Ngasenyakatho kuvela inkazimulo yegolide; uNkulunkulu wembethe ubukhosi obesabekayo.

[23]USomandla singemqonde; mkhulu ngamandla nangokwahlulela; ngokulunga kwakhe okukhulu akoni lutho.

[24]Ngalokho abantu bayamesaba; kepha akanaki abazishaya izihlakaniphi ngenhliziyo.

UJobe 38

UJehova uyamphendula uJobe

[1] UJehova wayesemphendula uJobe esesikhwishikhwishini, ethi:

[2] Ngubani lo owenza mnyama isiluleko ngamazwi angenalwazi na?

[3] Bopha izinkalo zakho njengendoda; ngizakukubuza, wena ungazise.

[4] Wawukuphi, lapho ngasekela umhlaba, na? Ngitshele, uma ukwazi ukuqonda.

[5] Ngubani owanquma izilinganiso zawo, ngokuba uyakwazi phela! Ngubani owelula umucu wokulinganisa phezu kwawo na?

[6] Sobre que estão fundadas as suas bases ou quem lhe assentou a pedra angular,
[7] quando as estrelas da alva, juntas, alegremente cantavam, e rejubilavam todos os filhos de Deus?

[8] Ou quem encerrou o mar com portas, quando irrompeu da madre;

[9] quando eu lhe pus as nuvens por vestidura e a escuridão por fraldas?
[10] Quando eu lhe tracei limites, e lhe pus ferrolhos e portas,
[11] e disse: até aqui virás e não mais adiante, e aqui se quebrará o orgulho das tuas ondas?
[12] Acaso, desde que começaram os teus dias, deste ordem à madrugada ou fizeste a alva saber o seu lugar,
[13] para que se apegasse às orlas da terra, e desta fossem os perversos sacudidos?

[14] A terra se modela como o barro debaixo do selo, e tudo se apresenta como vestidos;

[15] dos perversos se desvia a sua luz, e o braço levantado para ferir se quebranta.
[16] Acaso, entraste nos mananciais do mar ou percorreste o mais profundo do abismo?
[17] Porventura, te foram reveladas as portas da morte ou viste essas portas da região tenebrosa?
[18] Tens idéia nítida da largura da terra? Dize-mo, se o sabes.

[6]Izisekelo zawo zabekwa phezu kwani na? Ngubani owabeka itshe lawo legumbi,
[7]lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, nawo onke amadodana kaNkulunkulu ajabula, na?
[8] Ngubani owavalela ulwandle ngezicabha, lapha lwabhoboka kungathi lwaphuma esiswini,
[9]lapho ngabeka amafu aba yisambatho salo, nesigayegaye saba yimbeleko yalo,
[10] nalapho ngalumisela umncele wami, ngamisa imigoqo nezicabha,
[11]ngathi: Uyakufika lapha, kepha ungadluli; lapha amaza akho aziqhenyayo ayakumiswa, na?

[12] Emihleni yakho uyalile ukusa, wazisa umthende wokusa indawo yawo

[13] ukuba ubambe amagumbi omhlaba, ababi bathintithwe kuwo, na?
[14]Uguquka njengebumba lophawu lokunamathelisa; konke kuqhamuka kungathi kwembesiwe.
[15] Ababi sebenqatshelwe ukukhanya kwabo, nengalo ephakemeyo yaphuliwe.

[16] Wake wangena emithonjeni yolwandle, wahamba phansi otweni, na?

[17]Amasango okufa uwavulelwe, wabona amasango ethunzi lokufa, na?
[18]Uqondile ububanzi bomhlaba na? Yisho, uma ukwazi konke.

[19] Onde está o caminho para a morada da luz? E, quanto às trevas, onde é o seu lugar,
[20] para que as conduzas aos seus limites e discirnas as veredas para a sua casa?
[21] Tu o sabes, porque nesse tempo eras nascido e porque é grande o número dos teus dias!
[22] Acaso, entraste nos depósitos da neve e viste os tesouros da saraiva,
[23] que eu retenho até ao tempo da angústia, até ao dia da peleja e da guerra?
[24] Onde está o caminho para onde se difunde a luz e se espalha o vento oriental sobre a terra?
[25] Quem abriu regos para o aguaceiro ou caminho para os relâmpagos dos trovões;
[26] para que se faça chover sobre a terra, onde não há ninguém, e no ermo, em que não há gente;
[27] para dessedentar a terra deserta e assolada e para fazer crescer os renovos da erva?
[28] Acaso, a chuva tem pai? Ou quem gera as gotas do orvalho?
[29] De que ventre procede o gelo? E quem dá à luz a geada do céu?
[30] As águas ficam duras como a pedra, e a superfície das profundezas se torna compacta.
[31] Ou poderás tu atar as cadeias do Sete-estrelo ou soltar os laços do Órion?

[19] Iphi indlela eya lapho kuhlala khona ukukhanya, nobumnyama-ke, iphi indawo yabo,
[20]ukuze ukuyise emkhawulweni wakho, uqonde imikhondo yendlu yakho, na?
[21]Angithi uyakwazi, ngokuba wawusuzelwe, nomumo wemihla yakho mkhulu, na?
[22] Wake wangena ezinqolobaneni zeqhwa, wabona izinqwaba zesichotho,
[23] engiziqongelele isikhathi sokuhlupheka nosuku lokulwa nolwempi, na?
[24]Iphi indlela eya lapho ukukhanya kwahlukaniselwa khona, nalapho umoya wasempumalanga uhlakazekela khona emhlabeni, na?
[25] Ngubani ovulele ukuchichima kwamanzi umsele nonyazi lokuduma indlela,
[26]ukunisa imvula emhlabeni lapho kungekho muntu khona, nasehlane elingenamuntu,
[27] ukusuthisa ihlane kwahlongasibi, nokuhlumisa uhlaza, na?
[28]Kukhona uyise wemvula na? Ngubani owazala amathonsi amazolo na?
[29]Iqhwa lavela esiswini sikabani, nesithwathwa sazalwa ngubani, na?
[30]Amanzi ayacasha kungathi ayitshe; ubuso botwa buhlangene.
[31] Ungabopha amaketanga esiLimela, uthukulule izintambo zeMpambano, na?

[32] Ou fazer aparecer os signos do Zodíaco ou guiar a Ursa com seus filhos?
[33] Sabes tu as ordenanças dos céus, podes estabelecer a sua influência sobre a terra?
[34] Podes levantar a tua voz até às nuvens, para que a abundância das águas te cubra?
[35] Ou ordenarás aos relâmpagos que saiam e te digam: Eis-nos aqui?
[36] Quem pôs sabedoria nas camadas de nuvens? Ou quem deu entendimento ao meteoro?
[37] Quem pode numerar com sabedoria as nuvens? Ou os odres dos céus, quem os pode despejar,
[38] para que o pó se transforme em massa sólida, e os torrões se apeguem uns aos outros?
[39] Caçarás, porventura, a presa para a leoa? Ou saciarás a fome dos leõezinhos,
[40] quando se agacham nos covis e estão à espreita nas covas?
[41] Quem prepara aos corvos o seu alimento, quando os seus pintainhos gritam a Deus e andam vagueando, por não terem que comer?

Jó 39

[1] Sabes tu o tempo em que as cabras monteses têm os filhos ou cuidaste das corças quando dão suas crias?
[2] Podes contar os meses que cumprem? Ou sabes o tempo do seu parto?
[3] Elas encurvam-se, para terem seus filhos, e lançam de si as suas dores.

[32]Ungakhipha izinkanyezi ngesikhathi sazo, uhole iBhere nabantwana balo, na?
[33]Uyazazi izimiso zasezulwini, umise ukumisa kwazo emhlabeni, na?
[34] Ungaphakamisela izwi lakho emafwini, ukuze amanzi amaningi akusibekele, na?
[35]Ungathuma imibani ukuba ihambe, isho kuwe, ithi: Bheka, silapha ?
[36]Ngubani obeke ukuhlakanipha phakathi komuntu, ngubani onika ukuqonda enhliziyweni na?
[37]Ngubani ongabala amafu ngokuhlakanipha, ngubani ongathulula izimvaba zasezulwini,
[38]lapho uthuli luphenduka isigaxa, namagabade anamathelane, na?
[39] Uyazingelela ibhubesikazi impango, usuthise iphango lamabhongo,
[40]lapho elala emihumeni yawo, ehlezi esikhundleni eqamekele, na?
[41]Ngubani olungisela igwababa ukudla kwalo, lapho amaphuphu alo ekhala kuNkulunkulu, ezulazula ngokuswela ukudla, na?

UJobe 39

Umusa kaNkulunkulu ubonakala naphakathi kwezilwane

[1] Uyazi yini isikhathi sokuzala kwamagogo, uqaphela ukuzala kwezindluzelekazi, na?
[2]Ungazibala izinyanga eziziqedayo, uyasazi isikhathi ezizala ngaso, na?
[3] Ziyakhonkobala, zizala amazinyane azo, zikhiphe okwemihlelo yazo.

4 Seus filhos se tornam robustos, crescem no campo aberto, saem e nunca mais tornam para elas.

5 Quem despediu livre o jumento selvagem, e quem soltou as prisões ao asno veloz,

6 ao qual dei o ermo por casa e a terra salgada por moradas?

7 Ri-se do tumulto da cidade, não ouve os muitos gritos do arrieiro.

8 Os montes são o lugar do seu pasto, e anda à procura de tudo o que está verde.

9 Acaso, quer o boi selvagem servir-te? Ou passará ele a noite junto da tua manjedoura?

10 Porventura, podes prendê-lo ao sulco com cordas? Ou gradará ele os vales após ti?

11 Confiarás nele, por ser grande a sua força, ou deixarás a seu cuidado o teu trabalho?

12 Fiarás dele que te traga para a casa o que semeaste e o recolha na tua eira?

13 O avestruz bate alegre as asas; acaso, porém, tem asas e penas de bondade?

14 Ele deixa os seus ovos na terra, e os aquenta no pó,

15 e se esquece de que algum pé os pode esmagar ou de que podem pisá-los os animais do campo.

4Amazinyane azo aqina, akhulela endle; ayahamba, angabe esabuyela kuzo futhi.

5 Ngubani ovumele imbongolo yasendle ukuba ihambe; ngubani owathukulula izintambo zayo,

6engenza ihlane libe yindlu yayo, nezwe likasawoti libe yindawo yayo yokuhlala, na?

7Ihleka umsindo wedolobha, ingezwa ukumemeza komshayeli.

8 Okufunyanwa ezintabeni kuyidlelo layo: ifuna zonke izinto eziluhlaza.

9 Inyathi iyakuthanda ukukhonza, ihlale ebusuku emkhombeni wakho, na?

10Ungayibophela inyathi ngentambo emseleni, ibhuqe izigodi emva kwakho, na?

11Ungayethemba, ngokuba amandla ayo makhulu, ushiye umshikashika wakho kuyo, na?

12 Ungakholwa yiyo ukuba ibuyise imbewu yakho, iyibuthele esibuyeni sakho, na?

13 Amaphiko entshe ayaphaphaza, kepha angamakhombe nezimpaphe zothando na?

14Ngokuba iyashiya amaqanda ayo emhlabathini, iwafudumeze othulini.

15Iyakhohlwa ukuthi unyawo lungawachoboza nokuthi isilwane sasendle singawanyathela.

[16] Trata com dureza os seus filhos, como se não fossem seus; embora seja em vão o seu trabalho, ele está tranqüilo,

[17] porque Deus lhe negou sabedoria e não lhe deu entendimento;

[18] mas, quando de um salto se levanta para correr, ri-se do cavalo e do cavaleiro.

[19] Ou dás tu força ao cavalo ou revestirás o seu pescoço de crinas?

[20] Acaso, o fazes pular como ao gafanhoto? Terrível é o fogoso respirar das suas ventas.

[21] Escarva no vale, folga na sua força e sai ao encontro dos armados.

[22] Ri-se do temor e não se espanta; e não torna atrás por causa da espada.

[23] Sobre ele chocalha a aljava, flameja a lança e o dardo.

[24] De fúria e ira devora o caminho e não se contém ao som da trombeta.

[25] Em cada sonido da trombeta, ele diz: Avante! Cheira de longe a batalha, o trovão dos príncipes e o alarido.

[26] Ou é pela tua inteligência que voa o falcão, estendendo as asas para o Sul?

[27] Ou é pelo teu mandado que se remonta a águia e faz alto o seu ninho?

[28] Habita no penhasco onde faz a sua morada, sobre o cimo do penhasco, em lugar seguro.

[16]Iphatha kalukhuni amazinyane ayo, kungathi awasiwo awayo; ayinangebhe yokuthi umshikashika wayo ungaba yize.

[17]Ngokuba uNkulunkulu wayenza ukuba ikhohlwe ukuhlakanipha, akayabelanga ukuqonda.

[18]Lapho indizela phezulu, ihleka amahhashi nabagibeli bawo.

[19] Nguwe onika ihhashi amandla alo, wembathisile intamo yalo umhlwenga oyephuzelayo, na?

[20]Ulenze ukuba lixhume njengenkumbi na? Indumo yokuthimula kwalo iyesabeka.

[21]Liyaphanda ezigodini, liyesasa ngamandla alo, liyaphuma ukuhlangana nezimpi.

[22]Liyahleka ingebhe, alesabi, alibuyi phambi kwenkemba.

[23]Isambo siyalikhehlezela nomkhonto okhazimulayo, nengcula.

[24]Ngolaka lwalo nangokufutheka kwalo liyagwinya umhlabathi; alimi ngokukhala kwecilongo.

[25]Ekuzwakaleni kwecilongo lithi: Nakho-ke; lihogela ukulwa kusekude, nendumo yezinduna nokumemeza kwazo.

[26] Uklebe uyandiza ngokuqonda kwakho, awelulele ngaseningizimu amaphiko akhe, na?

[27]Ukhozi lwenyukela phezulu ngezwi lakho, lwakhe isidleke salo phezulu, na?

[28]Luhlala esiweni, lwakha khona, eweni ledwala eliyinqaba yalo.

[29] Dali, descobre a presa; seus olhos a avistam de longe.

[30] Seus filhos chupam sangue; onde há mortos, ela aí está.

Jó 40

[1] Disse mais o SENHOR a Jó:

[2] Acaso, quem usa de censuras contenderá com o Todo-Poderoso? Quem assim argúi a Deus que responda.

A resposta humilde de Jó

[3] Então, Jó respondeu ao SENHOR e disse:

[4] Sou indigno; que te responderia eu? Ponho a mão na minha boca.

[5] Uma vez falei e não replicarei, aliás, duas vezes, porém não prosseguirei.

As manifestações do poder de Deus

[6] Então, o SENHOR, do meio de um redemoinho, respondeu a Jó:

[7] Cinge agora os lombos como homem; eu te perguntarei, e tu me responderás.

[8] Acaso, anularás tu, de fato, o meu juízo? Ou me condenarás, para te justificares?

[9] Ou tens braço como Deus ou podes trovejar com a voz como ele o faz?

[10] Orna-te, pois, de excelência e grandeza, veste-te de majestade e de glória.

[11] Derrama as torrentes da tua ira e atenta para todo soberbo e abate-o.

[29]Lulapho luhlola ukudla kwalo; amehlo alo akubona kusekude.

[30] Amazinyane alo amunca igazi; lapho kukhona abagwaziweyo, lukhona nalo.

UJobe 40

UBehemoti

[1]UJehova wayesemphendula uJobe, wathi:

[2] Osolayo uyakuphikisana noSomandla na? Omkhuza uNkulunkulu makaphendule.

[3]UJobe wamphendula uJehova, wathi:

[4] Bheka, angiyinto yalutho; ngingakuphendula ngokuthini na? Ngibeka isandla sami emlonyeni wami.

[5]Ngikhulumile kanye, angisayikuphendula, yebo, kabili, kepha angiqhubeki.

[6]UJehova wayesemphendula uJobe esesikhwishikhwishini, wathi:

[7] Bopha izinkalo zakho njengendoda; ngizakukubuza, wena ungazise.

[8]Imbala uyachitha ukwahlulela kwami, ungilahle ukuba ube ngolungileyo, na?

[9]Unengalo njengoNkulunkulu, ungaduma ngezwi elinjengelakhe, na?

[10] Zihlobise ngobukhosi nangokuphakama, wembathe udumo nenkazimulo.

[11]Thulula ukuphuphuma kwentukuthelo yakho, ubheke bonke abazidlayo, ubathobise.

[12] Olha para todo soberbo e humilha-o, calca aos pés os perversos no seu lugar.

[12]Bheka bonke abaziphakamisayo, ubehlise phansi, unyathele ababi ezindaweni zabo.

[13] Cobre-os juntamente no pó, encerra-lhes o rosto no sepulcro.

[13]Bafihle othulini kanyekanye, ubophe ubuso babo endaweni ethukusiweyo.

[14] Então, também eu confessarei a teu respeito que a tua mão direita te dá vitória.

[14]Khona ngiyakukudumisa nami ngokuthi isandla sakho sokunene singakusindisa.

[15] Contempla agora o hipopótamo, que eu criei contigo, que come a erva como o boi.

[15] Ake ubheke uBehemoti engamenza kanye nawe; uyadla utshani njengenkabi.

[16] Sua força está nos seus lombos, e o seu poder, nos músculos do seu ventre.

[16]Bheka-ke, amandla akhe asezinkalweni zakhe, nezikhwepha zakhe zisemisipheni yesisu sakhe.

[17] Endurece a sua cauda como cedro; os tendões das suas coxas estão entretecidos.

[17]Uqinisa umsila wakhe njengomsedari; imisipha yamathanga akhe yalukene.

[18] Os seus ossos são como tubos de bronze, o seu arcabouço, como barras de ferro.

[18]Amathambo akhe anjengemibhobo yethusi; izimbambo zakhe zinjengemigoqo yensimbi.

[19] Ele é obra-prima dos feitos de Deus; quem o fez o proveu de espada.

[19]Ungowokuqala wezidalwa zikaNkulunkulu; ekwenziweni waphiwa inkemba yakhe.

[20] Em verdade, os montes lhe produzem pasto, onde todos os animais do campo folgam.

[20]Izintaba ziyamvezela ukudla, lapho kudlala khona izilwane zonke zasendle.

[21] Deita-se debaixo dos lotos, no esconderijo dos canaviais e da lama.

[21]Ulala phansi kwezihlahla ezinomthunzi ekusitheni kwemihlanga nasemaxhaphozini.

[22] Os lotos o cobrem com sua sombra; os salgueiros do ribeiro o cercam.

[22]Izihlahla ezinomthunzi ziyamsibekela ngomthunzi wazo; iminyezane yasemfuleni iyamphahla.

[23] Se um rio transborda, ele não se apressa; fica tranqüilo ainda que o Jordão se levante até à sua boca.

[23]Bheka, noma kuphuphuma umfula, akethuki; uyaqalaba, noma iJordani ligijigijimela emlonyeni wakhe.

[24] Acaso, pode alguém apanhá-lo quando ele está olhando? Ou lhe meter um laço pelo nariz?

Jó 41

[1] Podes tu, com anzol, apanhar o crocodilo ou lhe travar a língua com uma corda?

[2] Podes meter-lhe no nariz uma vara de junco? Ou furar-lhe as bochechas com um gancho?

[3] Acaso, te fará muitas súplicas? Ou te falará palavras brandas?

[4] Fará ele acordo contigo? Ou tomá-lo-ás por servo para sempre?

[5] Brincarás com ele, como se fora um passarinho? Ou tê-lo-ás preso à correia para as tuas meninas?

[6] Acaso, os teus sócios negociam com ele? Ou o repartirão entre os mercadores?

[7] Encher-lhe-ás a pele de arpões? Ou a cabeça, de farpas?

[8] Põe a mão sobre ele, lembra-te da peleja e nunca mais o intentarás.

[9] Eis que a gente se engana em sua esperança; acaso, não será o homem derribado só em vê-lo?

[10] Ninguém há tão ousado, que se atreva a despertá-lo. Quem é, pois, aquele que pode erguer-se diante de mim?

[24]Angabanjwa ebhekile, liqhunjuzelwe ikhala lakhe umkhala, na?

UJobe 41

ULeviyathani

[1] Ungakhipha uLeviyathani ngodobo, ucindezele phansi ulimi lwakhe ngentambo, na?

[2]Ungafaka igoda lomhlanga ekhaleni lakhe, ubhoboze umhlathi wakhe ngodobo, na?

[3]Uyakwenza imikhuleko eminingi kuwe, akhulume kuwe amazwi athambileyo, na?

[4]Uyakwenza isivumelwano nawe ukuba umthathe abe yinceku kuze kube phakade na?

[5]Ungadlala naye njengenyoni, umbophele amantombazana akho, na?

[6]Abathengi bangathengiselana ngaye, bamahlukanise phakathi kwabahwebi, na?

[7]Ungagcwalisa isikhumba sakhe ngezinhlendla, nekhanda lakhe ngamathatha ezinhlanzi, na?

[8]Beka isandla sakho kuye; khumbula ukulwa; awusayikukuphinda.

[9]Bheka, ithemba lakho liyakhohlisa; nangokumbona nje uyawiswa phansi.

[10]Akakho onesibindi sokumvusa. Ngubani, pho, ongema phambi kwami na?

[11] Quem primeiro me deu a mim, para que eu haja de retribuir-lhe? Pois o que está debaixo de todos os céus é meu.

[12] Não me calarei a respeito dos seus membros, nem da sua grande força, nem da graça da sua compostura.

[13] Quem lhe abrirá as vestes do seu dorso? Ou lhe penetrará a couraça dobrada?

[14] Quem abriria as portas do seu rosto? Pois em roda dos seus dentes está o terror.

[15] As fileiras de suas escamas são o seu orgulho, cada uma bem encostada como por um selo que as ajusta.

[16] A tal ponto uma se chega à outra, que entre elas não entra nem o ar.

[17] Umas às outras se ligam, aderem entre si e não se podem separar.

[18] Cada um dos seus espirros faz resplandecer luz, e os seus olhos são como as pestanas da alva.

[19] Da sua boca saem tochas; faíscas de fogo saltam dela.

[20] Das suas narinas procede fumaça, como de uma panela fervente ou de juncos que ardem.

[21] O seu hálito faz incender os carvões; e da sua boca sai chama.

[22] No seu pescoço reside a força; e diante dele salta o desespero.

[23] Suas partes carnudas são bem pegadas entre si; todas fundidas nele e imóveis.

[11] Ngubani ongandulele ukuba ngimbuyisele na? Konke okuphansi kwezulu kungokwami.

[12] Angiyikuthula ngezitho zakhe, nangendaba yamandla akhe, nangesimo sakhe esihle.

[13]Ngubani ongakhumula isambatho sakhe esingaphandle; ngubani ongangena phakathi kwemihlathi yakhe emibili na?

[14]Izicabha zobuso bakhe ngubani ongazivula na? Amazinyo akhe ayesabeka nxazonke.

[15]Umhlane wakhe uyizinhla zezihlangu; zinamathelisiwe njengangophawu.

[16]Zisondelene esinye kwesinye, kungangeni moya phakathi kwazo.

[17]Zinamathelene; zibambelene, azinakwahlukaniswa.

[18]Ukuthimula kwakhe kubengezela ngokukhanya; amehlo akhe anjengezinkophe zokusa.

[19]Emlonyeni wakhe kuphuma izihlanti, nezinhlansi zomlilo ziyaqhasha.

[20]Emakhaleni akhe kuphuma umusi njengasesocweni esibilayo nasemihlangeni eshayo.

[21]Ukuphefumula kwakhe kokhela amalahle, nelangabi liphuma emlonyeni wakhe.

[22]Entanyeni yakhe kuhlala amandla, nengebhe iyaxhuma phambi kwakhe.

[23]Amanya enyama yakhe anamathelene; abunjiwe kuye, awanakususwa.

[24] O seu coração é firme como uma pedra, firme como a mó de baixo.
[25] Levantando-se ele, tremem os valentes; quando irrompe, ficam como que fora de si.
[26] Se o golpe de espada o alcança, de nada vale, nem de lança, de dardo ou de flecha.
[27] Para ele, o ferro é palha, e o cobre, pau podre.
[28] A seta o não faz fugir; as pedras das fundas se lhe tornam em restolho.
[29] Os porretes atirados são para ele como palha, e ri-se do brandir da lança.
[30] Debaixo do ventre, há escamas pontiagudas; arrasta-se sobre a lama, como um instrumento de debulhar.
[31] As profundezas faz ferver, como uma panela; torna o mar como caldeira de ungüento.
[32] Após si, deixa um sulco luminoso; o abismo parece ter-se encanecido.
[33] Na terra, não tem ele igual, pois foi feito para nunca ter medo.
[34] Ele olha com desprezo tudo o que é alto; é rei sobre todos os animais orgulhosos.

Jó 42

A confissão de Jó

[1] Então, respondeu Jó ao SENHOR:
[2] Bem sei que tudo podes, e nenhum dos teus planos pode ser frustrado.
[3] Quem é aquele, como disseste, que sem conhecimento encobre o conselho? Na

[24]Inhliziyo yakhe iqinile njengetshe, yebo, iqinile njengetshe lokusila elingaphansi.
[25]Ekuvukeni kwakhe abanamandla bayesaba; ngenxa yevuso baphela amandla.
[26]Noma inkemba ifinyelela kuye, ayinakusiza, noma umkhonto nomcibisholo nengcula.
[27]Insimbi uyishaya utshani, nethusi ibunga.
[28]Umcibisholo awunakumxosha; amatshe endwayimana aphenduka amabibi kuye.
[29]Izagila uzishaya amabibi; uyahleka ukugunquza kwengcula.
[30]Ingaphansi lakhe linjengezindengezi ezibukhali; uyenaba njengesibhuqo odakeni.
[31]Wenza inzulu ibile njengekhanzi; wenza ulwandle lufane nomfuma wamafutha.
[32]Wenza umgudu ukhazimule emva kwakhe; kungathi utwa lungwevu.
[33]Emhlabeni akukho okufana naye owenziwa abe ngongesabiyo.
[34]Ubona konke okuphakemeyo; uyinkosi phezu kwabo bonke abantwana bokuzikhukhumeza.

UJobe 42

Ukuzithoba kukaJobe

[1]UJobe wayesemphendula uJehova, wathi:
[2] Ngiyazi ukuthi ungenza konke; alinakuvinjwa icebo lakho.
[3] Ngubani ositheza izilulekso engenakwazi na? Ngikhulumile lokho

verdade, falei do que não entendia; coisas maravilhosas demais para mim, coisas que eu não conhecia.

[4] Escuta-me, pois, havias dito, e eu falarei; eu te perguntarei, e tu me ensinarás.

[5] Eu te conhecia só de ouvir, mas agora os meus olhos te vêem.

[6] Por isso, me abomino e me arrependo no pó e na cinza.

Deus repreende os três amigos de Jó

[7] Tendo o SENHOR falado estas palavras a Jó, o SENHOR disse também a Elifaz, o temanita: A minha ira se acendeu contra ti e contra os teus dois amigos; porque não dissestes de mim o que era reto, como o meu servo Jó.

[8] Tomai, pois, sete novilhos e sete carneiros, e ide ao meu servo Jó, e oferecei holocaustos por vós. O meu servo Jó orará por vós; porque dele aceitarei a intercessão, para que eu não vos trate segundo a vossa loucura; porque vós não dissestes de mim o que era reto, como o meu servo Jó.

[9] Então, foram Elifaz, o temanita, e Bildade, o suíta, e Zofar, o naamatita, e fizeram como o SENHOR lhes ordenara; e o SENHOR aceitou a oração de Jó.

Deus restaura a prosperidade de Jó

[10] Mudou o SENHOR a sorte de Jó, quando este orava pelos seus amigos; e o SENHOR

ngingakuqondanga, izimangaliso ezinkulu kunami ebengingazazi.

[4] Ake ungizwe, kukhulume mina; ngiyakukubuza, wena ungazise.

[5]Ngangizwile ngawe ngokuzwa kwezindlebe, kepha manje iso lami liyakubona.

[6] Ngalokho ngiyazinenga, ngizisole othulini nasemlotheni.

[7]Kwathi lapho uJehova esekhulumile lawo mazwi kuJobe, uJehova wathi ku-Elifazi umThemani: Intukuthelo yami iyavuthela wena nabangane bakho ababili, ngokuba anikhulumanga okulungileyo ngami njengenceku yami uJobe.

[8] Ngalokho zithatheleni izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa, niye encekwini yami uJobe, nizinikelele ngazo zibe ngumnikelo wokushiswa; uJobe inceku yami uyakunikhulekela, ngokuba uma ngivuma ubuso bakhe, angiyikwenza kini njengobuwula benu, lokhu ningakhulumanga okulungileyo ngami njengenceku yami uJobe.

[9] Base behamba u-Elifazi umThemani, noBilidadi umShuhi, noSofari umNahama, benza njengokukhuluma kukaJehova kubo; uJehova wavuma-ke ubuso bukaJobe.

Ukubusiswa kukaJobe

[10] UJehova wambuyisa uJobe ekuhluphekeni, lapho ekhulekela

deu-lhe o dobro de tudo o que antes possuíra.

11 Então, vieram a ele todos os seus irmãos, e todas as suas irmãs, e todos quantos dantes o conheceram, e comeram com ele em sua casa, e se condoeram dele, e o consolaram de todo o mal que o SENHOR lhe havia enviado; cada um lhe deu dinheiro e um anel de ouro.

12 Assim, abençoou o SENHOR o último estado de Jó mais do que o primeiro; porque veio a ter catorze mil ovelhas, seis mil camelos, mil juntas de bois e mil jumentas.

13 Também teve outros sete filhos e três filhas.

14 Chamou o nome da primeira Jemima, o da outra, Quezia, e o da terceira, Quéren-Hapuque.

15 Em toda aquela terra não se acharam mulheres tão formosas como as filhas de Jó; e seu pai lhes deu herança entre seus irmãos.

16 Depois disto, viveu Jó cento e quarenta anos; e viu a seus filhos e aos filhos de seus filhos, até à quarta geração.

17 Então, morreu Jó, velho e farto de dias.

abangane bakhe; wenezela kukho konke uJobe ayenakho ngokukuphinda kabili.

11 Kwase kufika kuye bonke abafowabo, nabo bonke odadewabo, nabo bonke ababazana naye ngaphambili, badla endlini yakhe; bamkhalela, bamduduza ngakho konke okubi uJehova amehlisele khona, yilowo nalowo wamnika uhlamvu lwemali necici legolide.

12 Kanjalo uJehova wabusisa ukugcina kukaJobe kunokuqala kwakhe; waba nezimvu eziyizinkulungwane eziyishumi nane, namakamela ayizinkulungwane eziyisithupha, namabhangqa ayinkulungwane ezinkabi, nezimbongolo zezinsikazi eziyinkulungwane.

13Wayenamadodana ayisikhombisa namadodakazi amathathu.

14Wabiza igama leyokuqala ngokuthi uJemima, negama leyesibili ngokuthi uKesiya, negama leyesithathu ngokuthi uKereni Haphuki.

15Ezweni lonke akufunyanwanga abesifazane abahle njengamadodakazi kaJobe; uyise wabanika ifa phakathi kwabanewabo.

16 Emva kwalokho uJobe wayesekhona iminyaka eyikhulu namashumi amane, wabona amadodana akhe namadodana amadodana akhe kwaze kwaba yizizukulwane ezine.

17 Wafa-ke uJobe esemdala, esanelisiwe yizinsuku.

O livro dos Salmos	AmaHubo

Livro I
Salmos 1 - 41

Salmo 1

Os justos e os ímpios

1 Bem-aventurado o homem que não anda no conselho dos ímpios, não se detém no caminho dos pecadores, nem se assenta na roda dos escarnecedores.

2 Antes, o seu prazer está na lei do SENHOR, e na sua lei medita de dia e de noite.

3 Ele é como árvore plantada junto a corrente de águas, que, no devido tempo, dá o seu fruto, e cuja folhagem não murcha; e tudo quanto ele faz será bem sucedido.

4 Os ímpios não são assim; são, porém, como a palha que o vento dispersa.

5 Por isso, os perversos não prevalecerão no juízo, nem os pecadores, na congregação dos justos.

6 Pois o SENHOR conhece o caminho dos justos, mas o caminho dos ímpios perecerá.

Salmo 2

O reinado do Ungido de Deus

1 Por que se enfurecem os gentios e os povos imaginam coisas vãs?

2 Os reis da terra se levantam, e os príncipes conspiram contra o SENHOR e contra o seu Ungido, dizendo:

3 Rompamos os seus laços e sacudamos de nós as suas algemas.

Incwadi Yokuqala
Amahubo 1 -- 41

AmaHubo 1

Indlela yabalungileyo nendlela yababi

1 Ubusisiwe umuntu ongahambi ngeziluleko zababi, ongemi endleleni yezoni, ongahlali enkundleni yabaklolodayo,

2 kepha okuthokoza kwakhe kusemthethweni kaJehova, ozindla ngomthetho wakhe imini nobusuku.

3 Unjengomuthi otshaliwe ngasemifuleni yamanzi, othela isithelo sawo ngesikhathi sawo, oqabunga lawo lingabuni, nakho konke akwenzayo uyakuba nenhlanhla kukho.

4 Ababi abanjalo, kepha banjengamakhoba aphephethwa ngumoya.

5 Ngalokho ababi abayikuma ekwahlulelweni, nezoni ebandleni labalungileyo.

6 Ngokuba uJehova uyayazi indlela yabalungileyo, kodwa indlela yababi yobhubha.

AmaHubo 2

Ogcotshiweyo kaJehova

1 Kungani ukuba abezizwe baxokozele, nabantu bazindle ngokuyize na?

2 Amakhosi omhlaba ayazihlanganisa, nababusi baceba icebo ngoJehova nangogcotshiweyo wakhe ngokuthi:

3 Masigqabule izibopho zabo, silahle izintambo zabo, zisuke kithina.

4 Ri-se aquele que habita nos céus; o SENHOR zomba deles.
5 Na sua ira, a seu tempo, lhes há de falar e no seu furor os confundirá.
6 Eu, porém, constituí o meu Rei sobre o meu santo monte Sião.
7 Proclamarei o decreto do SENHOR: Ele me disse: Tu és meu Filho, eu, hoje, te gerei.
8 Pede-me, e eu te darei as nações por herança e as extremidades da terra por tua possessão.
9 Com vara de ferro as regerás e as despedaçarás como um vaso de oleiro.
10 Agora, pois, ó reis, sede prudentes; deixai-vos advertir, juízes da terra.
11 Servi ao SENHOR com temor e alegrai-vos nele com tremor.
12 Beijai o Filho para que se não irrite, e não pereçais no caminho; porque dentro em pouco se lhe inflamará a ira. Bem-aventurados todos os que nele se refugiam.

Salmo 3

Confiança em Deus, na adversidade

Salmo de Davi quando fugia de Absalão, seu filho

2 Sm 15.13-17,22

1 SENHOR, como tem crescido o número dos meus adversários! São numerosos os que se levantam contra mim.

2 São muitos os que dizem de mim: Não há em Deus salvação para ele.

3 Porém tu, SENHOR, és o meu escudo, és a minha glória e o que exaltas a minha cabeça.

4 Yena ohlezi ezulwini uyahleka, iNkosi iyabadelela.
5Ibisikhuluma kubo ngentukuthelo yayo, ibethuse ngolaka lwayo, ithi:
6 Nokho ngibekile iNkosi yami eSiyoni, intaba yami engcwele.
7 Ngizakulanda ngesinqumo: uJehova wathi kimi: Uyindodana yami wena; namuhla ngikuzele.
8 Cela kimi, ngikunike abezizwe babe yifa lakho, nemikhawulo yomhlaba ibe yimfuyo yakho.
9 Uzakubaphula ngentonga yensimbi, ubaphahlaze njengesitsha sombumbi.
10Ngakho hlakaniphani nina makhosi; yalekani nina bahluleli bomhlaba.
11 Mkhonzeni uJehova ngokwesaba, nethabe ngokuthuthumela.

12 Yangeni indodana, ingaze ithukuthele, nibhubhe endleleni, ngokuba ulaka lwayo luyakuvutha masinyane. Babusisiwe bonke abaphephela kuyo.

AmaHubo 3

Ukukhala kohlushiweyo

Ihubo likaDavide ebalekela u-Abisalomu indodana yakhe.

1 Hhawu, Jehova, ziningi izitha zami. Baningi abangivukelayo.

2 Baningi abathi emphefumulweni wami: Akukho ukusinda kwakhe kuNkulunkulu. *Sela*

3 Kepha wena Jehova uyisihlangu kimi, uludumo lwami nophakamisa ikhanda lami.

[4] Com a minha voz clamo ao SENHOR, e ele do seu santo monte me responde.

[5] Deito-me e pego no sono; acordo, porque o SENHOR me sustenta.

[6] Não tenho medo de milhares do povo que tomam posição contra mim de todos os lados.

[7] Levanta-te, SENHOR! Salva-me, Deus meu, pois feres nos queixos a todos os meus inimigos e aos ímpios quebras os dentes.

[8] Do SENHOR é a salvação, e sobre o teu povo, a tua bênção.

Salmo 4

Confiança em Deus, na angústia
Salmo de Davi ao mestre de canto, com instrumentos de cordas

[1] Responde-me quando clamo, ó Deus da minha justiça; na angústia, me tens aliviado; tem misericórdia de mim e ouve a minha oração.

[2] Ó homens, até quando tornareis a minha glória em vexame, e amareis a vaidade, e buscareis a mentira?

[3] Sabei, porém, que o SENHOR distingue para si o piedoso; o SENHOR me ouve quando eu clamo por ele.

[4] Irai-vos e não pequeis; consultai no travesseiro o coração e sossegai.

[5] Oferecei sacrifícios de justiça e confiai no SENHOR.

[4] Ngezwi lami ngiyakhala kuJehova; yena uyangiphendula esentabeni yakhe engcwele. ***Sela***

[5] Ngalala phansi, ngazunywa ngubuthongo; ngavuka, ngokuba uJehova ungiphasile.

[6] Angesabi amashumi ezinkulungwane zabantu abangihaqile nxazonke.

[7] Vuka, Jehova, ungisindise, Nkulunkulu wami, ngokuba zonke izitha zami uzishayile emhlathini, amazinyo ababi uwaphulile.

[8] Insindiso ingekaJehova; isibusiso sakho masibe kubantu bakho. ***Sela***

AmaHubo 4

Umkhuleko womethemba uNkulunkulu
Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. Ihubo likaDavide.

[1]Ngiphendule ekukhaleni kwami, Nkulunkulu wokulunga kwami. Ekucindezelweni wangenzela indawo; yiba nomusa kimi, uzwe umkhuleko wami.

[2]Madodana abantu, koze kube nini ubukhosi bami budunyazwa na? Koze kube nini nithanda okuyize, nifuna amanga, na? ***Sela***

[3]Yazini ukuthi uJehova uzahlukanisele omesabayo; uJehova uyezwa lapha ngikhala kuye.

[4] Thukuthelani ningoni; zindlani enhliziyweni yenu okhukhweni lwenu, nithule. ***Sela***

[5] Nikelani iminikelo yokulunga, nethembe uJehova.

[6] Há muitos que dizem: Quem nos dará a conhecer o bem? SENHOR, levanta sobre nós a luz do teu rosto.

[7] Mais alegria me puseste no coração do que a alegria deles, quando lhes há fartura de cereal e de vinho.

[8] Em paz me deito e logo pego no sono, porque, SENHOR, só tu me fazes repousar seguro.

Salmo 5

Proteção contra os ímpios

Ao mestre de canto, para flautas. Salmo de Davi

[1] Dá ouvidos, SENHOR, às minhas palavras e acode ao meu gemido.

[2] Escuta, Rei meu e Deus meu, a minha voz que clama, pois a ti é que imploro.

[3] De manhã, SENHOR, ouves a minha voz; de manhã te apresento a minha oração e fico esperando.

[4] Pois tu não és Deus que se agrade com a iniqüidade, e contigo não subsiste o mal.

[5] Os arrogantes não permanecerão à tua vista; aborreces a todos os que praticam a iniqüidade.

[6] Tu destróis os que proferem mentira; o SENHOR abomina ao sanguinário e ao fraudulento;

[7] porém eu, pela riqueza da tua misericórdia, entrarei na tua casa e me prostrarei diante do teu santo templo, no teu temor.

[6] Baningi abathi: Ngubani oyakusibonisa okuhle na? Jehova, phakamisa ukukhanya kobuso bakho phezu kwethu.

[7] Ubeke injabulo enhliziyweni yami edlula eyamabele abo newayini labo sekuvamile.

[8] Ngizakucambalala ngokuthula, ngilale ubuthongo, ngokuba wena Jehova wedwa ungihlalisa ngokulondeka.

AmaHubo 5

Umkhuleko wocela ukuvikelwa kwababi

Kumholi wokuhlabelela. NgeNehiloti. Ihubo likaDavide.

[1] Yizwa amazwi ami, Jehova, uqaphele ukuzindla kwami.

[2]Yizwa izwi lokukhala kwami, Nkosi yami, Nkulunkulu wami, ngokuba ngithandaza kuwe.

[3] Jehova, ekuseni uyalizwa izwi lami; ekuseni ngiyakuzibika kuwe, ngilinde.

[4]Ngokuba wena awusiye uNkulunkulu othanda okubi; omubi akanakuhlala kuwe.

[5]Abazidlayo abayikuma phambi kwamehlo akho; uyabazonda bonke abenza okubi.

[6] Uyabhubhisa abakhuluma amanga; uJehova uyamenyanya umuntu wegazi nowenkohliso.

[7]Kepha mina ngiyakungena endlini yakho ngobuningi bomusa wakho, ngikhothame ngokukuhlonipha, ngibhekene nendawo yakho engcwele.

[8] SENHOR, guia-me na tua justiça, por causa dos meus adversários; endireita diante de mim o teu caminho;

[9] pois não têm eles sinceridade nos seus lábios; o seu íntimo é todo crimes; a sua garganta é sepulcro aberto, e com a língua lisonjeiam.

[10] Declara-os culpados, ó Deus; caiam por seus próprios planos. Rejeita-os por causa de suas muitas transgressões, pois se rebelaram contra ti.

[11] Mas regozijem-se todos os que confiam em ti; folguem de júbilo para sempre, porque tu os defendes; e em ti se gloriem os que amam o teu nome.

[12] Pois tu, SENHOR, abençoas o justo e, como escudo, o cercas da tua benevolência.

Salmo 6

Davi recorre à misericórdia de Deus

Ao mestre de canto, com instrumentos de oito cordas. Salmo de Davi

[1] SENHOR, não me repreendas na tua ira, nem me castigues no teu furor.

[2] Tem compaixão de mim, SENHOR, porque eu me sinto debilitado; sara-me, SENHOR, porque os meus ossos estão abalados.

[3] Também a minha alma está profundamente perturbada; mas tu, SENHOR, até quando?

[4] Volta-te, SENHOR, e livra a minha alma; salva-me por tua graça.

[8] Jehova, ngihole ngokulunga kwakho ngenxa yezitha zami, ulungise indlela yakho phambi kobuso bami.

[9] Ngokuba alikho iqiniso emlonyeni wabo; izibilini zabo zingukonakala: umphimbo wabo uyithuna elivulekileyo; bayathopha ngolimi lwabo.

[10]Balahle ngecala, Nkulunkulu. Mabawe ngenxa yamacebo abo, ubawise ngobuningi beziphambeko zabo, ngokuba bahlubukile kuwe.

[11] Kepha mabajabule bonke abathemba kuwe, bahalalise kuze kube phakade, abathanda igama lakho bethabela kuwe.

[12] Ngokuba wena Jehova uyambusisa olungileyo; umphahla ngomusa njengesihlangu.

AmaHubo 6

Umkhuleko wocela umusa ngesikhathi sokuhlupheka

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. NgeSheminti. Ihubo likaDavide.

[1] Jehova, ungangijezisi ngentukuthelo yakho, ungangishayi ngolaka lwakho.

[2] Yiba nomusa kimi, Jehova, ngokuba ngidangele; ngiphilise, Jehova, ngokuba amathambo ami ayathuthumela,

[3] nomphefumulo wami uyathuthumela, kepha wena Jehova, koze kube nini na?

[4] Buya, Jehova, ukhulule umphefumulo wami, ungisindise ngenxa yesihawu sakho.

5 Pois, na morte, não há recordação de ti; no sepulcro, quem te dará louvor?

6 Estou cansado de tanto gemer; todas as noites faço nadar o meu leito, de minhas lágrimas o alago.

7 Meus olhos, de mágoa, se acham amortecidos, envelhecem por causa de todos os meus adversários.

8 Apartai-vos de mim, todos os que praticais a iniqüidade, porque o SENHOR ouviu a voz do meu lamento;

9 o SENHOR ouviu a minha súplica; o SENHOR acolhe a minha oração.

10 Envergonhem-se e sejam sobremodo perturbados todos os meus inimigos; retirem-se, de súbito, cobertos de vexame.

Salmo 7

Deus defende o justo contra o ímpio

Canto de Davi. Entoado ao Senhor, com respeito às palavras de Cuxe, benjamita

1 SENHOR, Deus meu, em ti me refugio; salva-me de todos os que me perseguem e livra-me;

2 para que ninguém, como leão, me arrebate, despedaçando-me, não havendo quem me livre.

3 SENHOR, meu Deus, se eu fiz o de que me culpam, se nas minhas mãos há iniqüidade,

4 se paguei com o mal a quem estava em paz comigo, eu, que poupei aquele que sem razão me oprimia,

5 Ngokuba akukho ukukhumbula wena ekufeni; ngubani oyakukubonga endaweni yabafileyo na?

6 Ngikhathele ukububula kwami; ngimanzisa icansi lami njalo ebusuku, ngimanzisa ukhukho lwami ngezinyembezi zami.

7 Iso lami liyafiphala ngokudabuka; liyaguga ngenxa yezitha zami zonke.

8Dedani kimi nina nonke enenza okubi, ngokuba uJehova ulizwile izwi lokukhala kwami;

9uJehova uzwile ukunxusa kwami, uJehova uyamukela umkhuleko wami.

10 Zonke izitha zami ziyakujabha, zishaywe luvalo; ziyakuhlehla, zijabhe ngokuphazima kweso.

AmaHubo 7

Ukunxusa uJehova ukuba avikele abazingelwayo

IShigayoni likaDavide alihubela uJehova ngenxa yamazwi kaKushe wakwaBenjamini.

1Jehova, Nkulunkulu wami, ngiyaphephela kuwe;

2ngisindise kubo bonke abangizingelayo, ungikhulule, bangaze bawudwengule umphefumulo wami njengengonyama eklebhula, kungekho okhululayo.

3Jehova Nkulunkulu wami, uma ngikwenzile lokho, uma kukhona okubi ezandleni zami,

4uma ngiphindise okubi kohlalisene nami ngokuthula, ngaphanga isitha sami kungekho sici,

[5] persiga o inimigo a minha alma e alcance-a, espezinhe no chão a minha vida e arraste no pó a minha glória.

[5]isitha masiwuzingele umphefumulo wami, siwufice, sikunyathele phansi ukuphila kwami, nesithunzi sami sisilahle phansi othulini. ***Sela***

[6] Levanta-te, SENHOR, na tua indignação, mostra a tua grandeza contra a fúria dos meus adversários e desperta-te em meu favor, segundo o juízo que designaste.

[6] Sukuma, Jehova, ngentukuthelo yakho, uvuke ngenxa yolaka lwezitha zami, ungimele; ngokuba uyalezile ukwahlulela.

[7] Reúnam-se ao redor de ti os povos, e por sobre eles remonta-te às alturas.

[7]Umhlangano wezizwe mawukuphahle, ubuyele phezulu ngaphezu kwawo.

[8] O SENHOR julga os povos; julga-me, SENHOR, segundo a minha retidão e segundo a integridade que há em mim.

[8] UJehova uyahlulela izizwe; ngahlulele, Jehova, ngokulunga kwami nangobuqotho bami obukimi.

[9] Cesse a malícia dos ímpios, mas estabelece tu o justo; pois sondas a mente e o coração, ó justo Deus.

[9] Makuphele ukonakala kwababi, kepha olungileyo mawumqinise. Nguwe phela ohlola izinhliziyo nezinso, Nkulunkulu olungileyo.

[10] Deus é o meu escudo; ele salva os retos de coração.

[10] Isihlangu sami sikuNkulunkulu osindisa abaqotho ngenhliziyo.

[11] Deus é justo juiz, Deus que sente indignação todos os dias.

[11] UNkulunkulu ungumahluleli olungileyo; unguNkulunkulu othukuthela imihla yonke.

[12] Se o homem não se converter, afiará Deus a sua espada; já armou o arco, tem-no pronto;

[12] Uma umuntu engaphenduki, uyakulola inkemba yakhe, ansale umnsalo wakhe, awulungisele,

[13] para ele preparou já instrumentos de morte, preparou suas setas inflamadas.

[13] izikhali zokubulala azibhekisele kuye; imicibisholo uyenza ishise.

[14] Eis que o ímpio está com dores de iniqüidade; concebeu a malícia e dá à luz a mentira.

[14] Unemihelo ngobubi; ukhulelwe ngukona, uzala amanga.

[15] Abre, e aprofunda uma cova, e cai nesse mesmo poço que faz.

[15] Umgodi uwumba, uwugubha, kepha ukhalakathela egebeni alenzileyo.

[16] A sua malícia lhe recai sobre a cabeça, e sobre a própria mioleira desce a sua violência.

[16] Ukwelelesa kwakhe kubuyela ekhanda lakhe; ubudlwangudlwangu bakhe behlela okhakhayini lwakhe.

[17] Eu, porém, renderei graças ao SENHOR, segundo a sua justiça, e cantarei louvores ao nome do SENHOR Altíssimo.

Salmo 8

A glória divina e a dignidade do filho do homem

Ao mestre de canto, segundo a melodia "Os lagares". Salmo de Davi

[1] Ó SENHOR, SENHOR nosso, quão magnífico em toda a terra é o teu nome! Pois expuseste nos céus a tua majestade.

[2] Da boca de pequeninos e crianças de peito suscitaste força, por causa dos teus adversários, para fazeres emudecer o inimigo e o vingador.

[3] Quando contemplo os teus céus, obra dos teus dedos, e a lua e as estrelas que estabeleceste,

[4] que é o homem, que dele te lembres E o filho do homem, que o visites?

[5] Fizeste-o, no entanto, por um pouco, menor do que Deus e de glória e de honra o coroaste.

[6] Deste-lhe domínio sobre as obras da tua mão e sob seus pés tudo lhe puseste:

[7] ovelhas e bois, todos, e também os animais do campo;

[8] as aves do céu, e os peixes do mar, e tudo o que percorre as sendas dos mares.

[9] Ó SENHOR, SENHOR nosso, quão magnífico em toda a terra é o teu nome!

Salmo 9

Ações de graças

[17] Ngizakumbonga uJehova ngokokulunga kwakhe, ngihubele igama likaJehova oPhezukonke.

AmaHubo 8

Indodana yomuntu nenkazimulo yayo

Kumholi wokuhlabelela. NgeGititi. Ihubo likaDavide.

[1] Jehova Nkosi yethu, igama lakho liyababazeka kangaka emhlabeni wonke! wena owabeka inkazimulo yakho ezulwini.

[2] Ngomlomo wezingane nowabancelayo wagxilisa amandla ngenxa yabamelene nawe ukuba uthulise isitha nophindisayo.

[3] Lapha ngibuka izulu lakho, umsebenzi weminwe yakho, inyanga nezinkanyezi ozimisileyo,

[4] umuntu uyini ukuba umkhumbule, nendodana yomuntu ukuba uyinake na?

[5] Wamenza waba ngaphansana kukaNkulunkulu, wamqhelisa ngenkazimulo nangobukhosi.

[6] Wamenza abe ngumbusi phezu kwemisebenzi yezandla zakho; konke wakubeka phansi kwezinyawo zakhe:

[7]izimvu, nezinkomo zonke, yebo, nezilwane zasendle,

[8]nezinyoni zezulu, nezinhlanzi zolwandle, nakho konke okuhamba ezindleleni zolwandle.

[9]Jehova Nkosi yethu, igama lakho liyababazeka kangaka emhlabeni wonke!

AmaHubo 9

Ukwahlulela kukaNkulunkulu

Ao mestre de canto, segundo a melodia “A morte para o filho”. Salmo de Davi

[1] Louvar-te-ei, SENHOR, de todo o meu coração; contarei todas as tuas maravilhas.

[2] Alegrar-me-ei e exultarei em ti; ao teu nome, ó Altíssimo, eu cantarei louvores.

[3] Pois, ao retrocederem os meus inimigos, tropeçam e somem-se da tua presença;
[4] porque sustentas o meu direito e a minha causa; no trono te assentas e julgas retamente.

[5] Repreendes as nações, destróis o ímpio e para todo o sempre lhes apagas o nome.

[6] Quanto aos inimigos, estão consumados, suas ruínas são perpétuas, arrasaste as suas cidades; até a sua memória pereceu.

[7] Mas o SENHOR permanece no seu trono eternamente, trono que erigiu para julgar.

[8] Ele mesmo julga o mundo com justiça; administra os povos com retidão.
[9] O SENHOR é também alto refúgio para o oprimido, refúgio nas horas de tribulação.
[10] Em ti, pois, confiam os que conhecem o teu nome, porque tu, SENHOR, não desamparas os que te buscam.
[11] Cantai louvores ao SENHOR, que habita em Sião; proclamai entre os povos os seus feitos.
[12] Pois aquele que requer o sangue lembra-se deles e não se esquece do clamor dos aflitos.

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ukufa kwendodana. Ihubo likaDavide.

[1] Ngiyakumbonga uJehova ngayo yonke inhliziyo yami; ngiyakulanda zonke izimangaliso zakho.
[2]Ngiyakujabula, ngethabe kuwe; ngiyakudumisa igama lakho wena oPhezukonke,
[3]ngokuba izitha zami zibuyela emuva, ziwa, zibhubha ebusweni bakho,
[4]ngokuba ulimelele ilungelo lami nendaba yami, uhlezi esihlalweni sobukhosi, ungumahluleli olungileyo.
[5]Ujezisile abezizwe, wabhubhisa ababi; igama labo ulesulile kuze kube phakade naphakade.
[6]Izitha ziphelile, zachitheka kuze kube phakade; imizi wayisimbula, ukukhunjulwa kwayo kwaphela nya.
[7]UJehova uyabusa kuze kube phakade; isihlalo sakhe sobukhosi usimisela ukwahlulela;
[8] umhlaba uyakuwahlulela ngokulunga, athethe amacala ezizwe ngobuqotho.
[9] UJehova uyinqaba yocindezelweyo, uyinqaba ezikhathini zokuhlupheka.
[10]Nabalaziyo igama lakho bayakwethemba wena; ngokuba wena Jehova awubashiyi abakufunayo.
[11] Hubani nimdumise uJehova ohlezi eSiyoni; memezelani ezizweni izenzo zakhe ezinkulu.
[12] Ngokuba yena ophindisela igazi uyabakhumbula abahluphekayo; akakhohlwa ukukhala kwabo.

[13] Compadece-te de mim, SENHOR; vê a que sofrimentos me reduziram os que me odeiam, tu que me levantas das portas da morte;

[14] para que, às portas da filha de Sião, eu proclame todos os teus louvores e me regozije da tua salvação.

[15] Afundam-se as nações na cova que fizeram, no laço que esconderam, prendeu-se-lhes o pé.

[16] Faz-se conhecido o SENHOR, pelo juízo que executa; enlaçado está o ímpio nas obras de suas próprias mãos.

[17] Os perversos serão lançados no inferno, e todas as nações que se esquecem de Deus.

[18] Pois o necessitado não será para sempre esquecido, e a esperança dos aflitos não se há de frustrar perpetuamente.

[19] Levanta-te, SENHOR; não prevaleça o mortal. Sejam as nações julgadas na tua presença.

[20] Infunde-lhes, SENHOR, o medo; saibam as nações que não passam de mortais.

[13] Yiba nomusa kimi, Jehova; kubone engihlupheka ngakho ngabangizondayo wena ongiphakamisa emasangweni okufa,

[14]ukuze ngilande ngalo lonke udumo lwakho, ngethabe ngokusindisa kwakho emasangweni endodakazi yaseSiyoni.

[15] Abezizwe bashone phansi egebeni abalenzileyo; unyawo lwabo lubhajwe esihibeni abasifihlileyo.

[16] UJehova uzazisile, wahlulela; umcuphile omubi emsebenzini wezandla zakhe. *Higayoni.* ***Sela***

[17]Ababi bayakubuyela endaweni yabafileyo, bonke abezizwe abakhohlwa uNkulunkulu.

[18] Ngokuba ompofu kayikukhohlakala njalo; ithemba labahluphekayo aliyikunyamalala kuze kube phakade.

[19]Vuka, Jehova! Mawungavumi ukuba abantu bahlule; abezizwe mabahlulelwe ebusweni bakho.

[20] Mabashaywe luvalo, Jehova; abezizwe mabazazi ukuthi bangabantu nje. ***Sela***

Salmos 10

A derrubada dos ímpios

[1] Por que, SENHOR, te conservas longe? E te escondes nas horas de tribulação?

[2] Com arrogância, os ímpios perseguem o pobre; sejam presas das tramas que urdiram.

[3] Pois o perverso se gloria da cobiça de sua alma, o avarento maldiz o SENHOR e blasfema contra ele.

AmaHubo 10

Ukuchithwa kwababi

[1] Jehova, umeleni kude na? Uzifihlelani ubuso ezikhathini zokuhlupheka na?

[2] Ngokuqhosha komubi ompofu uyahlupheka; mababanjwe ngamacebo abawacebileyo.

[3]Ngokuba omubi uyazigabisa ngokufisa komphefumulo wakhe, nohulazayo uyamvalelisa, amdelele uJehova.

[4] O perverso, na sua soberba, não investiga; que não há Deus são todas as suas cogitações.

[5] São prósperos os seus caminhos em todo tempo; muito acima e longe dele estão os teus juízos; quanto aos seus adversários, ele a todos ridiculiza.

[6] Pois diz lá no seu íntimo: Jamais serei abalado; de geração em geração, nenhum mal me sobrevirá.

[7] A boca, ele a tem cheia de maldição, enganos e opressão; debaixo da língua, insulto e iniqüidade.

[8] Põe-se de tocaia nas vilas, trucida os inocentes nos lugares ocultos; seus olhos espreitam o desamparado.

[9] Está ele de emboscada, como o leão na sua caverna; está de emboscada para enlaçar o pobre: apanha-o e, na sua rede, o enleia.

[10] Abaixa-se, rasteja; em seu poder, lhe caem os necessitados.

[11] Diz ele, no seu íntimo: Deus se esqueceu, virou o rosto e não verá isto nunca.

[12] Levanta-te, SENHOR! Ó Deus, ergue a mão! Não te esqueças dos pobres.

[13] Por que razão despreza o ímpio a Deus, dizendo no seu íntimo que Deus não se importa?

[4] Omubi ngokuzikhukhumeza kobuso bakhe uthi: Akanaki lutho; akakho uNkulunkulu, injalo imicabango yakhe yonke.

[5] Izindlela zakhe zithembekile izikhathi zonke; izahlulelo zakho ziphakeme kakhulu kunokubona kwakhe; zonke izitha zakhe uyazidelela.

[6]Uthi enhliziyweni yakhe: Angiyikuzanyazanyiswa; izizukulwane nezizukulwane angisoze ngehlelwa ngozi.

[7] Umlomo wakhe ugcwele isiqalekiso nenkohliso nobudlova; ngaphansi kolimi lwakhe kukhona ukwelelesa nokonakala.

[8]Uhlezi ezindaweni zokuqamekela zemizi; ezindaweni ezisithekileyo uyambulala ongenacala; amehlo akhe ayamhlwaya othithibeleyo.

[9] Endaweni esithekileyo uqamekela njengengonyama emphandwini wayo; uhlomele ukumbamba ohluphekileyo; uyambamba ohluphekileyo ngokumngenisa esihibeni sakhe.

[10]Uyanyonyoba, uyakhothama, abathithibeleyo bawe ngamazipho akhe.

[11] Uthi enhliziyweni yakhe: UNkulunkulu ukhohliwe, ubusithezile ubuso bakhe; akasoze wakubona nanini.

[12]Vuka, Jehova! Nkulunkulu, phakamisa isandla sakho, ungakhohlwa abahluphekileyo.

[13] Kungani ukuba omubi adelele uNkulunkulu, athi enhliziyweni yakhe: Awuyikukunaka, na?

14 Tu, porém, o tens visto, porque atentas aos trabalhos e à dor, para que os possas tomar em tuas mãos. A ti se entrega o desamparado; tu tens sido o defensor do órfão.
15 Quebranta o braço do perverso e do malvado; esquadrinha-lhes a maldade, até nada mais achares.

16 O SENHOR é rei eterno: da sua terra somem-se as nações.

17 Tens ouvido, SENHOR, o desejo dos humildes; tu lhes fortalecerás o coração e lhes acudirás,
18 para fazeres justiça ao órfão e ao oprimido, a fim de que o homem, que é da terra, já não infunda terror.

Salmo 11

O Senhor é forte refúgio
Ao mestre de canto. Salmo de Davi

1 No SENHOR me refugio. Como dizeis, pois, à minha alma: Foge, como pássaro, para o teu monte?
2 Porque eis aí os ímpios, armam o arco, dispõem a sua flecha na corda, para, às ocultas, dispararem contra os retos de coração.
3 Ora, destruídos os fundamentos, que poderá fazer o justo?

4 O SENHOR está no seu santo templo; nos céus tem o SENHOR seu trono; os seus olhos estão atentos, as suas pálpebras sondam os filhos dos homens.

14 Ubonile wena; ngokuba ukukhathazeka nokuhlupheka uyakubona wena ukuze ukubeke esandleni sakho; othithibeleyo uyazinikela kuwe; wena ungumsizi wentandane.
15 Yaphula ingalo yomubi; buphenyisise ububi besoni, ukuze ungabe usabufumana.
16 UJehova uyinkosi kuze kube phakade naphakade; abezizwe bayachithwa emhlabeni wakhe.
17 Jehova, uyakuzwa ukulangazela kwabamnene; uyaqinisa inhliziyo yabo, indlebe yakho uyibeka kubo
18 ukuba wahlulele intandane nocindezelweyo, ukuze umuntu wasemhlabeni angabe esabanga uvalo.

AmaHubo 11

UJehova uyisiphephelo nomvikeli
Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Ngiyaphephela kuJehova; nisho kanjani kuwo umphefumulo wami ukuthi: Balekela entabeni yenu njengenyoni, na?
2 Ngokuba bhekani, ababi bawunsala umnsalo wabo, babeka imicibisholo yabo entanjeni ukuba bacibishele ebumnyameni abaqotho ngenhliziyo.
3 Nxa izisekelo zidilizwa, olungileyo angenzani na?
4 UJehova usethempelini lakhe elingcwele, uJehova, isihlalo sakhe sobukhosi sisezulwini; amehlo akhe ayabuka, izinkophe zakhe ziyahlola abantwana babantu.

[5] O SENHOR põe à prova ao justo e ao ímpio; mas, ao que ama a violência, a sua alma o abomina.
[6] Fará chover sobre os perversos brasas de fogo e enxofre, e vento abrasador será a parte do seu cálice.

[7] Porque o SENHOR é justo, ele ama a justiça; os retos lhe contemplarão a face.

Salmo 12

Auxílio contra a falsidade

Ao mestre de canto, para instrumentos de oito cordas. Salmo de Davi

[1] Socorro, SENHOR! Porque já não há homens piedosos; desaparecem os fiéis entre os filhos dos homens.

[2] Falam com falsidade uns aos outros, falam com lábios bajuladores e coração fingido.

[3] Corte o SENHOR todos os lábios bajuladores, a língua que fala soberbamente,
[4] pois dizem: Com a língua prevaleceremos, os lábios são nossos; quem é senhor sobre nós?

[5] Por causa da opressão dos pobres e do gemido dos necessitados, eu me levantarei agora, diz o SENHOR; e porei a salvo a quem por isso suspira.

[6] As palavras do SENHOR são palavras puras, prata refinada em cadinho de barro, depurada sete vezes.

[5] UJehova uyamhlola olungileyo; kepha omubi nothanda ubudlwangudlwangu umphefumulo wakhe uyamzonda.
[6] Unisa izihibe phezu kwababi; umlilo nesibabule nomoya oshisayo kuyisabelo sendebe yabo.
[7] Ngokuba uJehova ulungile, uyathanda ukulunga; oqotho uyakubheka ubuso bakhe.

AmaHubo 12

UJehova ungumsizi wabamelana namashayakhothe

Kumholi wokuhlabelela. NgeSheminiti. Ihubo likaDavide.

[1] Siza, Jehova, ngokuba owesaba uNkulunkulu akasekho, ngokuba banyamalele abathembekileyo kubantwana babantu.
[2]Bakhuluma amanga, kwaba yilowo nalowo kumakhelwane wakhe; ngezindebe ezithophayo bakhuluma nganhliziyombili.
[3] UJehova uyakunquma zonke izindebe ezithophayo, ulimi olukhuluma amazwi amakhulu,
[4] abathi: Siyakunqoba ngolimi lwethu; izindebe zethu zinathi; ngubani oyinkosi phezu kwethu na?
[5] Ngenxa yokubandezeka kwabahluphekileyo nangokububula kwabampofu ngizakuvuka kalokhu, usho uJehova, ngimbeke ekusindisweni akulangazelelayo.
[6] Amazwi kaJehova angamazwi ahlanzekileyo, anjengesiliva elihlanjululwe esithandweni

emhlabathini, lihlanjululwe kasikhombisa.

[7] Sim, SENHOR, tu nos guardarás; desta geração nos livrarás para sempre.
[8] Por todos os lugares andam os perversos, quando entre os filhos dos homens a vileza é exaltada.

[7]Wena Jehova uyakubagcina, ubavikele kulesi sizukulwane kuze kube phakade.
[8]Abangamesabi uNkulunkulu bayashanguza nxazonke, lapho amanyala ephakeme kubantwana babantu.

Salmo 13

Oração de fé
Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Até quando, SENHOR? Esquecer-te-ás de mim para sempre? Até quando ocultarás de mim o rosto?

[2] Até quando estarei eu relutando dentro de minha alma, com tristeza no coração cada dia? Até quando se erguerá contra mim o meu inimigo?

[3] Atenta para mim, responde-me, SENHOR, Deus meu! Ilumina-me os olhos, para que eu não durma o sono da morte;
[4] para que não diga o meu inimigo: Prevaleci contra ele; e não se regozijem os meus adversários, vindo eu a vacilar.

[5] No tocante a mim, confio na tua graça; regozije-se o meu coração na tua salvação.

[6] Cantarei ao SENHOR, porquanto me tem feito muito bem.

AmaHubo 13

Umkhuleko wocela ukusizwa ekuhluphekeni
Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

[1] Koze kube nini, Jehova, ungikhohlwa njalonjalo na? Koze kube nini usitheza ubuso bakho kimi na?
[2] Koze kube nini ngikhathazeka emphefumulweni wami, nginosizi enhliziyweni yami usuku lonke, na? Koze kube nini isitha sami siziphakamisa phezu kwami na?
[3]Bheka neno, ungiphendule, Jehova Nkulunkulu wami; khanyisa amehlo ami, ngize ngingalali ubuthongo bokufa,
[4]ukuze isitha sami singasho ukuthi: Ngimahlulile, funa abamelene nami bethabe lapha ngintengayo.
[5] Kepha ngiwuthembile umusa wakho; inhliziyo yami izakwethaba ngensindiso yakho;
[6]ngizakuhlabelela kuJehova, ngokuba ungenzele okuhle.

Salmo 14

A corrupção do pecador e sua redenção
Salmo 53.1-6
Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Diz o insensato no seu coração: Não há Deus. Corrompem-se e praticam abominação; já não há quem faça o bem.

AmaHubo 14

Ubuwula nobubi babantu

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide.

[1] Isiwula sithi enhliziyweni yaso: Akakho uNkulunkulu. Yonakele, iyanengeka imisebenzi yabo; akakho owenza okuhle.

[2] Do céu olha o SENHOR para os filhos dos homens, para ver se há quem entenda, se há quem busque a Deus.
[3] Todos se extraviaram e juntamente se corromperam; não há quem faça o bem, não há nem um sequer.
[4] Acaso, não entendem todos os obreiros da iniqüidade, que devoram o meu povo, como quem come pão, que não invocam o SENHOR?

[5] Tomar-se-ão de grande pavor, porque Deus está com a linhagem do justo.

[6] Meteis a ridículo o conselho dos humildes, mas o SENHOR é o seu refúgio.
[7] Tomara de Sião viesse já a salvação de Israel! Quando o SENHOR restaurar a sorte do seu povo, então, exultará Jacó, e Israel se alegrará.

Salmo 15

O cidadão dos céus
Salmo de Davi

[1] Quem, SENHOR, habitará no teu tabernáculo? Quem há de morar no teu santo monte?

[2] O que vive com integridade, e pratica a justiça, e, de coração, fala a verdade;

[3] o que não difama com sua língua, não faz mal ao próximo, nem lança injúria contra o seu vizinho;
[4] o que, a seus olhos, tem por desprezível ao réprobo, mas honra aos que temem ao SENHOR; o que jura com dano próprio e não se retrata;

[2] UJehova uyabuka esezulwini abantwana babantu ukucinga ukuba ukhona yini oqondayo, ofuna uNkulunkulu.

[3] Baphambukile bonke, bonakele bonke; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa.

[4] Abaqondi lutho yini bonke abenza okubi, abadla abantu bami, njengokuba bedla isinkwa, bangakhuleki kuJehova, na?
[5]Khona besaba nokwesaba, ngokuba uNkulunkulu ukuso isizukulwane sabalungileyo.
[6]Icebo lohluphekileyo niyalijabhisa, kepha uJehova uyisiphephelo sakhe.
[7]Sengathi ukusindiswa kuka-Israyeli kungavela eSiyoni. Mhla uJehova ebuyisa ukuthunjwa kwabantu bakhe uJakobe uyakwethaba, u-Israyeli ajabule.

AmaHubo 15

Isimo songokaNkulunkulu

[1] Jehova, ngubani oyakuhlala etendeni lakho na? Ngubani oyakwakha entabeni yakho engcwele na?
[2] Yilowo ohamba ngobuqotho nowenza ukulunga, okhuluma iqiniso enhliziyweni yakhe,
[3] ongahlebi ngolimi lwakhe, ongamoni umngane wakhe, nongamhlazi umakhelwane wakhe;

[4] obuka onengekayo ngokuzakumenyanya, kepha ebazisa abamesabayo uNkulunkulu; ofunga

ngokuzakumlimaza, nokho angalaphuli izwi lakhe;

5 o que não empresta o seu dinheiro com usura, nem aceita suborno contra o inocente. Quem deste modo procede não será jamais abalado.

5 ongatsheleki muntu imali yakhe ukuba izale, nongamukeli umvuzo ngongenacala; owenza lokhu akayikuzanyazanyiswa naphakade.

Salmo 16

O Santo de Deus

Hino de Davi

1 Guarda-me, ó Deus, porque em ti me refugio.

2 Digo ao SENHOR: Tu és o meu SENHOR; outro bem não possuo, senão a ti somente.

3 Quanto aos santos que há na terra, são eles os notáveis nos quais tenho todo o meu prazer.

4 Muitas serão as penas dos que trocam o SENHOR por outros deuses; não oferecerei as suas libações de sangue, e os meus lábios não pronunciarão o seu nome.

5 O SENHOR é a porção da minha herança e o meu cálice; tu és o arrimo da minha sorte.

6 Caem-me as divisas em lugares amenos, é mui linda a minha herança.

7 Bendigo o SENHOR, que me aconselha; pois até durante a noite o meu coração me ensina.

8 O SENHOR, tenho-o sempre à minha presença; estando ele à minha direita, não serei abalado.

9 Alegra-se, pois, o meu coração, e o meu espírito exulta; até o meu corpo repousará seguro.

AmaHubo 16

Umkhuleko wongcwele kaNkulunkulu

IMiktamu likaDavide.

1 Ngilondoloze, Nkulunkulu, ngokuba ngiyaphephela kuwe.

2 Ngithi kuJehova: Wena uyiNkosi yami; anginakho okuhle ngaphandle kwakho.

3Abangcwele abasemhlabeni, abayizikhulu, yonke intokozo yami ikubona.

4Ziningi izinhlupheko zabazizuzela omunye unkulunkulu; angiyikunikela ngeminikelo yabo yegazi; angiyikuwaphatha amagama abo ngezindebe zami.

5UJehova uyisabelo esahlukaniselwe mina, nendebe yami; wena uqinisa ifa lami.

6 Izabelo zingehlele ezindaweni ezinhle, yebo, nginalo ifa elihle.

7Ngiyakumbonga uJehova ongilulekayo; nasebusuku izinso zami ziyangiyala.

8 Ngimbeke uJehova njalo phambi kwami, ngokuba ungakwesokunene sami, angiyikuzanyazanyiswa.

9 Ngakho-ke inhliziyo yami iyajabula, nomphefumulo wami uyethaba, nenyama yami iyakuhlala ngokwethemba.

[10] Pois não deixarás a minha alma na morte, nem permitirás que o teu Santo veja corrupção.

[11] Tu me farás ver os caminhos da vida; na tua presença há plenitude de alegria, na tua destra, delícias perpetuamente.

Salmo 17

Súplica pela proteção divina
Oração de Davi

[1] Ouve, SENHOR, a causa justa, atende ao meu clamor, dá ouvidos à minha oração, que procede de lábios não fraudulentos.

[2] Baixe de tua presença o julgamento a meu respeito; os teus olhos vêem com eqüidade.

[3] Sondas-me o coração, de noite me visitas, provas-me no fogo e iniqüidade nenhuma encontras em mim; a minha boca não transgride.

[4] Quanto às ações dos homens, pela palavra dos teus lábios, eu me tenho guardado dos caminhos do violento.

[5] Os meus passos se afizeram às tuas veredas, os meus pés não resvalaram.

[6] Eu te invoco, ó Deus, pois tu me respondes; inclina-me os ouvidos e acode às minhas palavras.

[7] Mostra as maravilhas da tua bondade, ó Salvador dos que à tua destra buscam refúgio dos que se levantam contra eles.

[10] Ngokuba awuyikunikela umphefumulo wami endaweni yabafileyo; awuyikuvuma ukuba ongcwele wakho abone ukubola.

[11] Uyakungazisa indlela yokuphila; ukugcwala kwenjabulo kusebusweni bakho; intokozo isesandleni sakho sokunene kuze kube phakade.

AmaHubo 17

Ithemba lozingelwayo engenacala
Umkhuleko kaDavide.

[1] Yizwa ukulunga, Jehova, ulalele ukukhala kwami, ubeke indlebe emkhulekweni wami ophuma ezindebeni ezingenankohliso.

[2] Ukwahlulelwa kwami makuvele ebusweni bakho; amehlo akho mawabheke okulungileyo.

[3] Uyalinga inhliziyo yami; ungihambele ebusuku, uyangihlolisisa, awufumani lutho; ngiyahlosa ukuba umlomo wami ungaphambuki.

[4]Emisebenzini yabantu ngiyazilinda, ezindleleni zezidlova ngezwi lezindebe zakho.

[5] Izinyathelo zami zinamathela ezinyaweni zakho, izinyawo zami azisheleli.

[6]Ngikhala kuwe, ngokuba uyangizwa, Nkulunkulu; beka indlebe yakho kimi, uzwe izwi lami.

[7]Bonakalisa isihe sakho esimangalisayo wena osindisa ngesandla sakho sokunene labo abaphephela kuwe kwababahlaselayo.

8 Guarda-me como a menina dos olhos, esconde-me à sombra das tuas asas,
9 dos perversos que me oprimem, inimigos que me assediam de morte.
10 Insensíveis, cerram o coração, falam com lábios insolentes;
11 andam agora cercando os nossos passos e fixam em nós os olhos para nos deitar por terra.
12 Parecem-se com o leão, ávido por sua presa, ou o leãozinho, que espreita de emboscada.
13 Levanta-te, SENHOR, defronta-os, arrasa-os; livra do ímpio a minha alma com a tua espada,
14 com a tua mão, SENHOR, dos homens mundanos, cujo quinhão é desta vida e cujo ventre tu enches dos teus tesouros; os quais se fartam de filhos e o que lhes sobra deixam aos seus pequeninos.
15 Eu, porém, na justiça contemplarei a tua face; quando acordar, eu me satisfarei com a tua semelhança.

8 Ngigcine njengenhlamvu yeso, ungisithe ethunzini lamaphiko akho
9kubo ababi abangilimazayo, kuzo izitha zokuphila kwami ezingihaqileyo.
10 Bavalelwe ngamanoni abo, bakhuluma ngokuzidla ngomlomo wabo.
11 Noma siyaphi, bayangizungeza; amehlo abo bawabhekisa kukho ukungiwisa phansi emhlabathini.
12Unjengengonyama ehahela ukubamba, njengebhongo lengonyama elilele ezindaweni ezisithekileyo.
13Vuka, Jehova, umhlangabeze, umwise phansi; sindisa umphefumulo wami komubi ngenkemba yakho,
14 nakubantu ngesandla sakho, Jehova, abantu baleli zwe abasabelo sabo sikulokhu kuphila, nabasisu sabo usigcwalisa ngengcebo yakho, nabashiyela izingane zabo okusele kubo.
15 Kepha mina ngiyakubuka ubuso bakho ekulungeni, ngisuthe ngesimo sakho ekuvukeni kwami.

Salmo 18

Vitória e domínio

2Sm 22.1-51

Ao mestre de canto. Salmo de Davi, servo do Senhor, o qual dirigiu ao Senhor as palavras deste cântico, no dia em que o Senhor o livrou de todos os seus inimigos e das mãos de Saul. Ele disse:

1 Eu te amo, ó SENHOR, força minha.
2 O SENHOR é a minha rocha, a minha cidadela, o meu libertador; o meu Deus, o meu rochedo em que me refugio; o meu escudo, a força da minha salvação, o meu baluarte.

AmaHubo 18

Ukumbonga uNkulunkulu ngezibusiso zakhe

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide, inceku kaJehova, owakhuluma amazwi aleli hubo kuJehova mhla uJehova emsindisile esandleni sezitha zakhe zonke nasesandleni sikaSawule. Wathi:

1Ngiyakuthanda, Jehova, mandla ami.
2 Jehova uyidwala lami, nenqaba yami, nomkhululi wami; uNkulunkulu wami uyidwala lami engiphephela kulo, nesihlangu sami, nophondo lokusindiswa kwami, inqaba yami ephakemeyo.

[3] Invoco o SENHOR, digno de ser louvado, e serei salvo dos meus inimigos.
[4] Laços de morte me cercaram, torrentes de impiedade me impuseram terror.
[5] Cadeias infernais me cingiram, e tramas de morte me surpreenderam.

[6] Na minha angústia, invoquei o SENHOR, gritei por socorro ao meu Deus. Ele do seu templo ouviu a minha voz, e o meu clamor lhe penetrou os ouvidos.

[7] Então, a terra se abalou e tremeu, vacilaram também os fundamentos dos montes e se estremeceram, porque ele se indignou.
[8] Das suas narinas subiu fumaça, e fogo devorador, da sua boca; dele saíram brasas ardentes.
[9] Baixou ele os céus, e desceu, e teve sob os pés densa escuridão.
[10] Cavalgava um querubim e voou; sim, levado velozmente nas asas do vento.
[11] Das trevas fez um manto em que se ocultou; escuridade de águas e espessas nuvens dos céus eram o seu pavilhão.
[12] Do resplendor que diante dele havia, as densas nuvens se desfizeram em granizo e brasas chamejantes.
[13] Trovejou, então, o SENHOR, nos céus; o Altíssimo levantou a voz, e houve granizo e brasas de fogo.
[14] Despediu as suas setas e espalhou os meus inimigos, multiplicou os seus raios e os desbaratou.

[3] Ngiyamemeza kuJehova odumisekayo, ngisindiswe ezitheni zami.
[4] Izintambo zokufa zangizungelezela, izikhukhula zokona zangethusa.
[5]Izintambo zasendaweni yabafileyo zangizungeza, izihibe zokufa zangehlela.
[6] Ekuhluphekeni kwami ngambiza uJehova, ngakhala kuNkulunkulu wami; walizwa izwi lami esethempelini lakhe; ukukhala kwami phambi kwakhe kwangena ezindlebeni zakhe.
[7] Umhlaba wawusuzamazama, wadikizela; izisekelo zezintaba zathuthumela, zagubhuzela ngokuba ethukuthele.
[8]Kwenyuka umusi emakhaleni akhe, nomlilo odlayo emlonyeni wakhe; amalahle avutha kuye.
[9]Wathobisa izulu, wehla; ubumnyama babuphansi kwezinyawo zakhe.
[10] Wakhwela phezu kwekherubi, wandiza; washweza ngamaphiko omoya.
[11] Ubumnyama wabenza isisibekelo, idokodo lakhe elimphahlayo; amanzi amnyama, amafu anzima.
[12]Ekukhazimuleni okuphambi kwakhe amafu akhe abanga phambili, isichotho namalahle avuthayo.
[13] UJehova waduma ezulwini; oPhezukonke walizwakalisa izwi lakhe: isichotho namalahle avuthayo.
[14] Wathuma imicibisholo yakhe, wabangquzula, nemibani eminingi, wabadidizelisa.

[15] Então, se viu o leito das águas, e se descobriram os fundamentos do mundo, pela tua repreensão, SENHOR, pelo iroso resfolgar das tuas narinas.

[16] Do alto me estendeu ele a mão e me tomou; tirou-me das muitas águas.

[17] Livrou-me de forte inimigo e dos que me aborreciam, pois eram mais poderosos do que eu.

[18] Assaltaram-me no dia da minha calamidade, mas o SENHOR me serviu de amparo.

[19] Trouxe-me para um lugar espaçoso; livrou-me, porque ele se agradou de mim.

[20] Retribuiu-me o SENHOR, segundo a minha justiça, recompensou-me conforme a pureza das minhas mãos.

[21] Pois tenho guardado os caminhos do SENHOR e não me apartei perversamente do meu Deus.

[22] Porque todos os seus juízos me estão presentes, e não afastei de mim os seus preceitos.

[23] Também fui íntegro para com ele e me guardei da iniqüidade.

[24] Daí retribuir-me o SENHOR, segundo a minha justiça, conforme a pureza das minhas mãos, na sua presença.

[25] Para com o benigno, benigno te mostras; com o íntegro, também íntegro.

[15]Kwase kubonakala imisinga yamanzi; izisekelo zomhlaba zambulwa ngesijeziso sakho, Jehova, ngokufutha komoya wamakhala akho.

[16] Waselula isandla sakhe ephezulu, wangibamba; wangikhipha emanzini amaningi.

[17] Wangophula esitheni sami esinamandla nakubo abangizondayo, ngokuba base bengahlulile.

[18] Bangihlasela ngosuku lwesigemegeme sami, kepha uJehova waba yinsika yami.

[19]Wangiphumisela endaweni ebanzi; wangikhulula, ngokuba ebethokoza ngami.

[20] UJehova wangivuza ngokokulunga kwami; wangibuyisela njengokuhlanzeka kwezandla zami.

[21]Ngokuba ngizigcinile izindlela zikaJehova, angimukanga kuNkulunkulu wami ngokushinga.

[22]Ngokuba yonke imithetho yakhe yayiphambi kwami, nezimiso zakhe angivumanga ukuba zisuke kimi.

[23] Ngangiphelele kuye; ngabuxwaya ububi.

[24] UJehova wayesebuyisela kimi njengokulunga kwami, njengokuhlanzeka kwezandla zami phambi kwamehlo akhe.

[25]Kothembekileyo uyazibonakalisa uthembekile; kumuntu oqotho uzibonakalisa uqotho;

[26] Com o puro, puro te mostras; com o perverso, inflexível.

[27] Porque tu salvas o povo humilde, mas os olhos altivos, tu os abates.

[28] Porque fazes resplandecer a minha lâmpada; o SENHOR, meu Deus, derrama luz nas minhas trevas.

[29] Pois contigo desbarato exércitos, com o meu Deus salto muralhas.

[30] O caminho de Deus é perfeito; a palavra do SENHOR é provada; ele é escudo para todos os que nele se refugiam.

[31] Pois quem é Deus, senão o SENHOR? E quem é rochedo, senão o nosso Deus?

[32] O Deus que me revestiu de força e aperfeiçoou o meu caminho,

[33] ele deu a meus pés a ligeireza das corças e me firmou nas minhas alturas.

[34] Ele adestrou as minhas mãos para o combate, de sorte que os meus braços vergaram um arco de bronze.

[35] Também me deste o escudo da tua salvação, a tua direita me susteve, e a tua clemência me engrandeceu.

[36] Alargaste sob meus passos o caminho, e os meus pés não vacilaram.

[37] Persegui os meus inimigos, e os alcancei, e só voltei depois de haver dado cabo deles.

[26] kohlanzekileyo uyazibonakalisa uhlanzekile; koyisigwegwe uyazibonakalisa unenkani.

[27] Ngokuba wena uyabasindisa abantu abathobekileyo, kepha amehlo abaqhoshileyo uyawathobisa.

[28] Ngokuba wena uyokhela isibani sami; uJehova uNkulunkulu wami uyakhanyisa ubumnyama bami.

[29] Ngokuba ngawe ngingahlasela impi; ngoNkulunkulu wami ngingeqa ugange.

[30] Indlela kaNkulunkulu iphelele; izwi likaJehova lihlanzekile; yena uyisihlangu kubo bonke abaphephela kuye.

[31] Ngokuba ngubani onguNkulunkulu ngaphandle kukaJehova, ngubani oyidwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu na?

[32]uNkulunkulu ongibhincisa amandla, owenza indlela yami ilunge;

[33] owenza izinyawo zami zibe njengezendluzelekazi, angimise emagqumeni ami;

[34] ofundisa izandla zami ukulwa, ukuze izingalo zami zinsale umnsalo wethusi.

[35] Wena unginikile isihlangu sensindiso yakho, isandla sakho sokunene singisekele, nobumnene bakho bungikhulisile.

[36] Amabanga okunyathela kwami uwandisile; amaqakala ami awaxegi.

[37]Ngazixosha izitha zami, ngazifica; angibuyanga ngingakaziqedi.

[38] Esmaguei-os a tal ponto, que não puderam levantar-se; caíram sob meus pés.

[38] Ngaziphahlaza, zaze zahluleka ukuvuka; zawa phansi kwezinyawo zami.

[39] Pois de força me cingiste para o combate e me submeteste os que se levantaram contra mim.

[39]Wangibhincisa amandla okulwa; ababengivukele wabathobisa phansi kwami.

[40] Também puseste em fuga os meus inimigos, e os que me odiaram, eu os exterminei.

[40]Wangifulathelisela izitha zami, nabangizondayo ngabaqothula.

[41] Gritaram por socorro, mas ninguém lhes acudiu; clamaram ao SENHOR, mas ele não respondeu.

[41] Bakhala, kepha akubangakho osindisayo, nakuJehova, kodwa akaze aphendula.

[42] Então, os reduzi a pó ao léu do vento, lancei-os fora como a lama das ruas.

[42]Ngabacolisisa njengothuli emoyeni; ngabalahla njengensila ezitaladini.

[43] Das contendas do povo me livraste e me fizeste cabeça das nações; povo que não conheci me serviu.

[43] Wangikhulula ezimpini zabantu; wangimisa ngaba yinhloko yabezizwe; abantu engingabaziyo bangikhonza.

[44] Bastou-lhe ouvir-me a voz, logo me obedeceu; os estrangeiros se me mostram submissos.

[44] Banele ukungizwa nje ngendlebe, base bengilalela; abafo bazithoba phansi kwami.

[45] Sumiram-se os estrangeiros e das suas fortificações saíram, espavoridos.

[45]Abafo babuna, baphuma ezinqabeni zabo bethuthumele.

[46] Vive o SENHOR, e bendita seja a minha rocha! Exaltado seja o Deus da minha salvação,

[46]UJehova usekhona, malidunyiswe iDwala lami; makaphakanyiswe uNkulunkulu wensindiso yami,

[47] o Deus que por mim tomou vingança e me submeteu povos;

[47]uNkulunkulu onginikile impindiselo, wathobisa izizwe phansi kwami;

[48] o Deus que me livrou dos meus inimigos; sim, tu que me exaltaste acima dos meus adversários e me livraste do homem violento.

[48]ongikhululile ezitheni zami, yebo, ongiphakamisile phezu kwabangivukelayo, wangikhulula kumuntu oyisidlwangudlwangu.

[49] Glorificar-te-ei, pois, entre os gentios, ó SENHOR, e cantarei louvores ao teu nome.

[49] Ngalokho-ke ngizakukubonga phakathi kwabezizwe, Jehova, ngilihubele igama lakho.

[50] É ele quem dá grandes vitórias ao seu rei e usa de benignidade para com o seu ungido, com Davi e sua posteridade, para sempre.

Salmo 19

A excelência da criação e da palavra de Deus

Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Os céus proclamam a glória de Deus, e o firmamento anuncia as obras das suas mãos.

[2] Um dia discursa a outro dia, e uma noite revela conhecimento a outra noite.

[3] Não há linguagem, nem há palavras, e deles não se ouve nenhum som;

[4] no entanto, por toda a terra se faz ouvir a sua voz, e as suas palavras, até aos confins do mundo. Aí, pôs uma tenda para o sol,

[5] o qual, como noivo que sai dos seus aposentos, se regozija como herói, a percorrer o seu caminho.

[6] Principia numa extremidade dos céus, e até à outra vai o seu percurso; e nada refoge ao seu calor.

[7] A lei do SENHOR é perfeita e restaura a alma; o testemunho do SENHOR é fiel e dá sabedoria aos símplices.

[8] Os preceitos do SENHOR são retos e alegram o coração; o mandamento do SENHOR é puro e ilumina os olhos.

[9] O temor do SENHOR é límpido e permanece para sempre; os juízos do SENHOR são verdadeiros e todos igualmente, justos.

[50] Uyenza insindiso ibe nkulu enkosini yakhe; uyenza umusa kogcotshiweyo wakhe uDavide nasenzalweni yakhe kuze kube phakade.

AmaHubo 19

Ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu ngokudala nangezwi lakhe

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

[1] Amazulu ayalanda ngenkazimulo kaJehova, nomkhathi ushumayela umsebenzi wezandla zakhe.

[2]Usuku luyalandisa usuku inkulumo, nobusuku bushumayeza ubusuku ukwazi.

[3]Akukho ukukhuluma, awakho amazwi, lapho izwi lingezwakali khona.

[4] Isilinganiso sawo siphumele emhlabeni wonke namazwi awo emkhawulweni womhlaba. Ulimisele ilanga itende kulo.

[5]Lona linjengomyeni ephuma ekamelweni lakhe; lijabulisa okweqhawe ukugijima endleleni yalo.

[6]Ukuphuma kwalo kusemkhawulweni wezulu; ukuzungeza kwalo kuya ekugcineni kwalo; akukho okufihlelwe ukushisa kwalo.

[7] Umthetho kaJehova uphelele, uvusa umphefumulo; ukufakaza kukaJehova kuqinisile, kuhlakaniphisa oyisiwula.

[8] Imiyalo kaJehova ilungile, ijabulisa inhliziyo; umyalezo kaJehova uhlanzekile, ukhanyisa amehlo.

[9]Ukumesaba uJehova kuhlanzekile, kumi kuze kube phakade; imithetho kaJehova iyiqiniso, ilungile yonke.

[10] São mais desejáveis do que ouro, mais do que muito ouro depurado; e são mais doces do que o mel e o destilar dos favos.
[11] Além disso, por eles se admoesta o teu servo; em os guardar, há grande recompensa.
[12] Quem há que possa discernir as próprias faltas? Absolve-me das que me são ocultas.
[13] Também da soberba guarda o teu servo, que ela não me domine; então, serei irrepreensível e ficarei livre de grande transgressão.
[14] As palavras dos meus lábios e o meditar do meu coração sejam agradáveis na tua presença, SENHOR, rocha minha e redentor meu!

Salmo 20

Oração a favor do rei
Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] O SENHOR te responda no dia da tribulação; o nome do Deus de Jacó te eleve em segurança.
[2] Do seu santuário te envie socorro e desde Sião te sustenha.
[3] Lembre-se de todas as tuas ofertas de manjares e aceite os teus holocaustos.
[4] Conceda-te segundo o teu coração e realize todos os teus desígnios.
[5] Celebraremos com júbilo a tua vitória e em nome do nosso Deus hastearemos pendões; satisfaça o SENHOR a todos os teus votos.

[10] Inxanelekile kunegolide, kunegolide elihlanzekileyo eliningi; imnandi kunezinyosi, kunoju lwamakhekheba.
[11] Nenceku yakho iyayalwa ngayo; oyigcinayo uyakuba nomvuzo omkhulu.
[12] Ngubani owazi iziphosiso zakhe na? Ngithethelele kwezisithekileyo.
[13] Yilonde inceku yakho nasezonweni ezihlazisayo; mazingabusi phezu kwami. Yikhona ngiyakube ngiphelele, ngingabe ngisaba necala eziphambekweni ezinkulu.
[14] Amazwi omlomo wami nokuzindla kwenhliziyo yami makuthandeke ebusweni bakho, Jehova, dwala lami nomhlengi wami.

AmaHubo 20

Abakwa-Israyeli bakhulekela inkosi yabo
Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

[1] UJehova makakuphendule ngosuku lokuhlupheka; igama likaNkulunkulu kaJakobe malikuvikele.
[2]Makakuthumele usizo lwasendlini engcwele, akusekele ngamandla aseSiyoni.
[3]Makakhumbule yonke iminikelo yakho yokudliwa, awamukele umnikelo wakho wokushiswa. ***Sela***
[4] Makakunike njengokwenhliziyo yakho, afeze icebo lakho lonke.
[5]Siyahalalisa ngensindiso yakho, siphakamise ibhandela egameni likaNkulunkulu wethu; uJehova makagcwalise zonke izicelo zakho.

6 Agora, sei que o SENHOR salva o seu ungido; ele lhe responderá do seu santo céu com a vitoriosa força de sua destra.

7 Uns confiam em carros, outros, em cavalos; nós, porém, nos gloriaremos em o nome do SENHOR, nosso Deus.
8 Eles se encurvam e caem; nós, porém, nos levantamos e nos mantemos de pé.
9 Ó SENHOR, dá vitória ao rei; responde-nos, quando clamarmos.

Salmo 21

Ações de graças pela vitória

Ao mestre de canto. Salmo de Davi

1 Na tua força, SENHOR, o rei se alegra! E como exulta com a tua salvação!

2 Satisfizeste-lhe o desejo do coração e não lhe negaste as súplicas dos seus lábios.

3 Pois o supres das bênçãos de bondade; pões-lhe na cabeça uma coroa de ouro puro.

4 Ele te pediu vida, e tu lha deste; sim, longevidade para todo o sempre.

5 Grande lhe é a glória da tua salvação; de esplendor e majestade o sobrevestiste.

6 Pois o puseste por bênção para sempre e o encheste de gozo com a tua presença.

6Kalokhu ngiyazi ukuthi uJehova uyamsindisa ogcotshiweyo wakhe: esezulwini lakhe elingcwele uyamphendula ngamandla okusindisa esandla sakhe sokunene.
7 Abanye izinqola, abanye amahhashi, kepha thina sibonga igama likaJehova uNkulunkulu wethu.
8Bayathoba, bawe; kepha thina siyavuka, sime.
9Sindisa, Jehova! INkosi mayisiphendule ngosuku lokukhala kwethu.

AmaHubo 21

Abakwa-Israyeli bambonga uNkulunkulu ngokusinda kwenkosi yabo

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Jehova, inkosi iyajabula ngamandla akho; iyethaba kangakanani ngensindiso yakho.
2 Uyinikile njengokwenhliziyo yayo, nesicelo sezindebe zayo awusinqabanga. *Sela*
3 Ngokuba wayihlangabeza ngezibusiso zokuhle; wafaka umqhele wegolide elihle ekhanda layo.
4 Yacela ukuphila kuwe, wayinika khona, izinsuku ezinde kuze kube phakade naphakade.
5Inkulu inkazimulo yayo ngenxa yensindiso yakho; udumo nobukhosi ukubeka phezu kwayo.
6 Ngokuba uyibeka ukuba ibe yisibusiso kuze kube phakade; uyithokozisa ngenjabulo ebusweni bakho.

[7] O rei confia no SENHOR e pela misericórdia do Altíssimo jamais vacilará.

[8] A tua mão alcançará todos os teus inimigos, a tua destra apanhará os que te odeiam.

[9] Tu os tornarás como em fornalha ardente, quando te manifestares; o SENHOR, na sua indignação, os consumirá, o fogo os devorará.

[10] Destruirás da terra a sua posteridade e a sua descendência, de entre os filhos dos homens.

[11] Se contra ti intentarem o mal e urdirem intrigas, não conseguirão efetuá-los;

[12] porquanto lhes farás voltar as costas e mirarás o rosto deles com o teu arco.

[13] Exalta-te, SENHOR, na tua força! Nós cantaremos e louvaremos o teu poder.

[7] Ngokuba inkosi iyethemba uJehova, nangenxa yesihawu soPhezukonke ayiyikuzanyazanyiswa.

[8]Isandla sakho siyakufumana zonke izitha zakho; esokunene sakho siyakubafumana abakuzondayo.

[9] Uyakubenza babe njengesithando somlilo, nxa ubonakalisa ubuso bakho; uJehova uyakubagwinya ngentukuthelo yakhe, umlilo uyakubaqeda.

[10] Isithelo sabo uyakusichitha emhlabeni kanye nenzalo yabo phakathi kwabantwana babantu.

[11]Ngokuba babehlosa okubi, baceba icebo; kepha bayahluleka.

[12] Ngokuba uyakubafulathelisa; ngosinga lomnsalo wakho uyakukhomba ebusweni babo.

[13]Mawuphakame, Jehova, emandleni akho; thina siyakuhlabelela, sidumise amandla akho.

Salmo 22

Sofrimento e vitória do Messias

Ao mestre de canto, segundo a melodia "Corça da manhã". Salmo de Davi

[1] Deus meu, Deus meu, por que me desamparaste? Por que se acham longe de minha salvação as palavras de meu bramido?

[2] Deus meu, clamo de dia, e não me respondes; também de noite, porém não tenho sossego.

[3] Contudo, tu és santo, entronizado entre os louvores de Israel.

AmaHubo 22

Isiprofetho ngenhlupheko nenkazimulo yolungileyo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Indluzelekazi yokusa. Ihubo likaDavide.

[1] Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na? Ukude namazwi okubububula kwami nokusindiswa kwami.

[2] Nkulunkulu wami, ngikhala emini, kepha awuphenduli, nasebusuku, ngingabi nakuthula.

[3] Kepha wena ungoNgcwele ohlezi ezibongweni zika-Israyeli.

[4] Nossos pais confiaram em ti; confiaram, e os livraste.

[5] A ti clamaram e se livraram; confiaram em ti e não foram confundidos.

[6] Mas eu sou verme e não homem; opróbrio dos homens e desprezado do povo.

[7] Todos os que me vêem zombam de mim; afrouxam os lábios e meneiam a cabeça:

[8] Confiou no SENHOR! Livre-o ele; salve-o, pois nele tem prazer.

[9] Contudo, tu és quem me fez nascer; e me preservaste, estando eu ainda ao seio de minha mãe.

[10] A ti me entreguei desde o meu nascimento; desde o ventre de minha mãe, tu és meu Deus.

[11] Não te distancies de mim, porque a tribulação está próxima, e não há quem me acuda.

[12] Muitos touros me cercam, fortes touros de Basã me rodeiam.

[13] Contra mim abrem a boca, como faz o leão que despedaça e ruge.

[14] Derramei-me como água, e todos os meus ossos se desconjuntaram; meu coração fez-se como cera, derreteu-se dentro de mim.

[15] Secou-se o meu vigor, como um caco de barro, e a língua se me apega ao céu da boca; assim, me deitas no pó da morte.

[16] Cães me cercam; uma súcia de malfeitores me rodeia; traspassaram-me as mãos e os pés.

[4]Obaba bethu babekwethemba; babethemba, wena wabakhulula.

[5] Bakhala kuwe, bakhululwa; bethemba wena, abaze bajabha.

[6] Kepha mina ngiyimphethu, angisiye umuntu; ngiyisithuko sabantu, ngiyindelelo yabantu.

[7] Bonke abangibonayo bayangiklolodela, baphukule imilomo, banikine amakhanda,

[8] bathi: Zinikele kuJehova; makamsindise, amkhulule, njengokuba emthanda.

[9] Impela nguwe owangikhipha esizalweni, wangikhoselisa ngasemabeleni kamame.

[10]Ngaphonswa phezu kwakho kwasesizalweni; unguNkulunkulu wami kwasesizalweni sikamame.

[11] Ungabi kude nami, ngokuba inhlupheko iseduze, nosizayo akakho.

[12]Izinkunzi eziningi zingibunganyele, ezinamandla zaseBashani zingizungezile.

[13]Zingikhamisele umlomo wazo njengengonyama edwengulayo nebhodlayo.

[14]Ngichithiwe njengamanzi; onke amathambo ami enyele; inhliziyo yami injengengcina, incibilikile phakathi kwezibilini zami.

[15] Amandla ami omile njengodengezi; ulimi lwami lunamathela olwangeni lwami; ungibeka othulini lokufa.

[16] Ngokuba izinja ziyangibungayela; umbonda wababi ungizungezile; izandla zami nezinyawo zami bazibhobozile.

[17] Posso contar todos os meus ossos; eles me estão olhando e encarando em mim.

[18] Repartem entre si as minhas vestes e sobre a minha túnica deitam sortes.

[19] Tu, porém, SENHOR, não te afastes de mim; força minha, apressa-te em socorrer-me.

[20] Livra a minha alma da espada, e, das presas do cão, a minha vida.

[21] Salva-me das fauces do leão e dos chifres dos búfalos; sim, tu me respondes.

[22] A meus irmãos declararei o teu nome; cantar-te-ei louvores no meio da congregação;

[23] vós que temeis o SENHOR, louvai-o; glorificai-o, vós todos, descendência de Jacó; reverenciai-o, vós todos, posteridade de Israel.

[24] Pois não desprezou, nem abominou a dor do aflito, nem ocultou dele o rosto, mas o ouviu, quando lhe gritou por socorro.

[25] De ti vem o meu louvor na grande congregação; cumprirei os meus votos na presença dos que o temem.

[26] Os sofredores hão de comer e fartar-se; louvarão o SENHOR os que o buscam. Viva para sempre o vosso coração.

[27] Lembrar-se-ão do SENHOR e a ele se converterão os confins da terra; perante ele se prostrarão todas as famílias das nações.

[28] Pois do SENHOR é o reino, é ele quem governa as nações.

[17]Ngingabala onke amathambo ami; bayabukela, bangibuke bengiklibhizela.

[18] Babelana izingubo zami, benzelana inkatho ngesambatho sami.

[19]Kepha wena Jehova mawungabi kude, wena mandla ami, shesha ungisize.

[20]Sindisa umphefumulo wami enkembeni, ukuphila kwami emandleni ezinja.

[21]Ngisindise emlonyeni wengonyama; nasezimpondweni zezinyathi uyangizwa.

[22] Ngiyakushumayeza abafowethu igama lakho, ngikudumise phakathi kwebandla.

[23]Nina enesaba uJehova, mbongeni; nina nonke nzalo kaJakobe, mdumiseni, nimesabe nina nonke nzalo ka-Israyeli.

[24] Ngokuba akadelelanga, akanengwanga yinhlupheko yohluphekayo; akamfihlelanga ubuso bakhe, kepha nalapha ekhala kuye, wezwa.

[25] Kuyakuvela kuwe ukudumisa kwami ebandleni elikhulu; izithembiso zami ngiyakuzigcwalisa phambi kwabamesabayo.

[26] Abamnene bayakudla, basuthe; abafuna uJehova bayakumdumisa; inhliziyo yenu mayiphile kuze kube phakade.

[27] Imikhawulo yonke yomhlaba iyakukhumbula, iphendukele kuJehova, nezizukulwane zonke zezizwe ziyakukhuleka ebusweni bakho.

[28] Ngokuba umbuso ungokaJehova; nguye obusa izizwe.

[29] Todos os opulentos da terra hão de comer e adorar, e todos os que descem ao pó se prostrarão perante ele, até aquele que não pode preservar a própria vida.

[30] A posteridade o servirá; falar-se-á do SENHOR à geração vindoura.

[31] Hão de vir anunciar a justiça dele; ao povo que há de nascer, contarão que foi ele quem o fez.

Salmo 23

O Senhor é o meu pastor
Salmo de Davi

[1] O SENHOR é o meu pastor; nada me faltará.

[2] Ele me faz repousar em pastos verdejantes. Leva-me para junto das águas de descanso;

[3] refrigera-me a alma. Guia-me pelas veredas da justiça por amor do seu nome.

[4] Ainda que eu ande pelo vale da sombra da morte, não temerei mal nenhum, porque tu estás comigo; o teu bordão e o teu cajado me consolam.

[5] Preparas-me uma mesa na presença dos meus adversários, unges-me a cabeça com óleo; o meu cálice transborda.

[6] Bondade e misericórdia certamente me seguirão todos os dias da minha vida; e habitarei na Casa do SENHOR para todo o sempre.

Salmo 24

[29] Bonke abacebileyo bomhlaba bayakudla, bakhuleke; bonke abehlela othulini bayakukhothama phambi kwakhe, naye ongenakugcina umphefumulo wakhe ekuphileni.

[30] Inzalo iyakumkhonza; isizukulwane esizayo siyakulandiswa ngayo iNkosi.

[31] Bayakuza bashumayele ukulunga kwayo kuso isizwe esiyakuzalwa ngokuthi ikwenzile.

AmaHubo 23

UJehova ungumalusi omuhle
Ihubo likaDavide.

[1] UJehova ungumalusi wami, angiyikuswela.

[2] Uyangilalisa emadlelweni aluhlaza; uyangiyisa ngasemanzini okuphumula.

[3] Ubuyisa umphefumulo wami; uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe.

[4] Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angesabi okubi, ngokuba wena unami, intonga yakho nodondolo lwakho ziyangiduduza.

[5] Ulungisa itafula phambi kwami ebusweni bezitha zami; ugcoba ikhanda lami ngamafutha; indebe yami iyachichima.

[6] Impela okuhle nomusa kuyakungilandela imihla yonke yokuphila kwami; ngiyakuhlala endlini kaJehova kuze kube phakade.

AmaHubo 24

A vinda do Rei da Glória

Salmo de Davi

[1] Ao SENHOR pertence a terra e tudo o que nela se contém, o mundo e os que nele habitam.

[2] Fundou-a ele sobre os mares e sobre as correntes a estabeleceu.

[3] Quem subirá ao monte do SENHOR? Quem há de permanecer no seu santo lugar?

[4] O que é limpo de mãos e puro de coração, que não entrega a sua alma à falsidade, nem jura dolosamente.

[5] Este obterá do SENHOR a bênção e a justiça do Deus da sua salvação.

[6] Tal é a geração dos que o buscam, dos que buscam a face do Deus de Jacó.

[7] Levantai, ó portas, as vossas cabeças; levantai-vos, ó portais eternos, para que entre o Rei da Glória.

[8] Quem é o Rei da Glória? O SENHOR, forte e poderoso, o SENHOR, poderoso nas batalhas.

[9] Levantai, ó portas, as vossas cabeças; levantai-vos, ó portais eternos, para que entre o Rei da Glória.

[10] Quem é esse Rei da Glória? O SENHOR dos Exércitos, ele é o Rei da Glória.

Salmo 25

Oração por auxílio divino

Ukungena kweNkosi yenkazimulo ethempelini layo

ElikaDavide. Ihubo.

[1] Umhlaba ungokaJehova nokugcwala kwawo, izwe nabakhileyo kulo.

[2] Ngokuba yena wawusekela phezu kwezilwandle, wawumisa phezu kwemifula.

[3]Ngubani oyakukhuphukela entabeni kaJehova, ngubani oyakuma endaweni yakhe engcwele na?

[4] Yilowo onezandla ezingenacala nenhliziyo ehlanzekileyo, ongaphenduleli umphefumulo wakhe emangeni nongafungi ngenkohliso.

[5]Uyakwamukela isibusiso kuJehova nokulunga kuNkulunkulu wensindiso yakhe.

[6] Yilesi esiyisizukulwane sabamfunayo; bona abasinga ubuso bakho bangabantwana bakaJakobe. ***Sela***

[7] Phakamisani, masango, izinhloko zenu; nani minyango yaphakade, phakamani ukuba iNkosi yenkazimulo ingene.

[8] Ingubani le Nkosi yenkazimulo na? InguJehova onamandla, oyiqhawe, uJehova oyiqhawe lokulwa.

[9]Phakamisani, masango, izinhloko zenu; nani minyango yaphakade, phakamani ukuba iNkosi yenkazimulo ingene.

[10]Ingubani le Nkosi yenkazimulo na? UJehova Sebawoti nguyena oyiNkosi yenkazimulo. ***Sela***

AmaHubo 25

Umkhuleko wocela ukubuswa nguNkulunkulu nokuvikelwa nguye

De Davi

[1] A ti, SENHOR, elevo a minha alma.

[2] Deus meu, em ti confio; não seja eu envergonhado, nem exultem sobre mim os meus inimigos.

[3] Com efeito, dos que em ti esperam, ninguém será envergonhado; envergonhados serão os que, sem causa, procedem traiçoeiramente.

[4] Faze-me, SENHOR, conhecer os teus caminhos, ensina-me as tuas veredas.

[5] Guia-me na tua verdade e ensina-me, pois tu és o Deus da minha salvação, em quem eu espero todo o dia.

[6] Lembra-te, SENHOR, das tuas misericórdias e das tuas bondades, que são desde a eternidade.

[7] Não te lembres dos meus pecados da mocidade, nem das minhas transgressões. Lembra-te de mim, segundo a tua misericórdia, por causa da tua bondade, ó SENHOR.

[8] Bom e reto é o SENHOR, por isso, aponta o caminho aos pecadores.

[9] Guia os humildes na justiça e ensina aos mansos o seu caminho.

[10] Todas as veredas do SENHOR são misericórdia e verdade para os que guardam a sua aliança e os seus testemunhos.

[11] Por causa do teu nome, SENHOR, perdoa a minha iniqüidade, que é grande.

ElikaDavide.

[1]Jehova, ngiphakamisela kuwena umphefumulo wami.

[2]Nkulunkulu wami, ngiyethemba kuwe; mawungangijabhisi; izitha zami mazingethabi ngami.

[3] Yebo, akuyikujabha noyedwa kwabakulindelayo; bayakujabha abaphambuka ngeze.

[4] Ngazise imendo yakho, Jehova; ngifundise izindlela zakho.

[5]Ngihambise eqinisweni lakho, ungifundise, ngokuba wena unguNkulunkulu wensindiso yami; ngilindela wena usuku lonke.

[6] Khumbula, Jehova, ububele bakho nomusa wakho, ngokuba kukhona kwaphakade.

[7]Ungazikhumbuli izono zobusha bami neziphambeko zami; ngikhumbule ngokomusa wakho ngenxa yobubele bakho, Jehova.

[8] UJehova muhle, ulungile; ngalokho ufundisa izoni indlela.

[9]Abathobekileyo ubaholela kokulungileyo, abathobekileyo ubafundisa indlela yakhe.

[10] Zonke izindlela zikaJehova zingububele neqiniso kulabo abagcina isivumelwano sakhe nezifakazelo zakhe.

[11]Ngenxa yegama lakho, Jehova, ngithethelele ukona kwami, ngokuba kukhulu.

[12] Ao homem que teme ao SENHOR, ele o instruirá no caminho que deve escolher.

[13] Na prosperidade repousará a sua alma, e a sua descendência herdará a terra.

[14] A intimidade do SENHOR é para os que o temem, aos quais ele dará a conhecer a sua aliança.

[15] Os meus olhos se elevam continuamente ao SENHOR, pois ele me tirará os pés do laço.

[16] Volta-te para mim e tem compaixão, porque estou sozinho e aflito.

[17] Alivia-me as tribulações do coração; tira-me das minhas angústias.

[18] Considera as minhas aflições e o meu sofrimento e perdoa todos os meus pecados.

[19] Considera os meus inimigos, pois são muitos e me abominam com ódio cruel.

[20] Guarda-me a alma e livra-me; não seja eu envergonhado, pois em ti me refugio.

[21] Preservem-me a sinceridade e a retidão, porque em ti espero.

[22] Ó Deus, redime a Israel de todas as suas tribulações.

Salmo 26

Apelo do justo

Salmo de Davi

[1] Faze-me justiça, SENHOR, pois tenho andado na minha integridade e confio no SENHOR, sem vacilar.

[12] Ngumuphi umuntu omesaba uJehova na? Nguyena oyakufundiswa nguye indlela ayakuyikhetha.

[13] Umphefumulo wakhe uzakuhlala ngokwenama, inzalo yakhe iyakuzuza izwe.

[14]Ubuhlobo bukaJehova bukubo abamesabayo; uyakubazisa isivumelwano sakhe.

[15] Amehlo ami akuye uJehova njalo, ngokuba nguyena okhipha izinyawo zami enetheni.

[16]Phendukela kimi, ube nomusa kimi, ngokuba nginesizungu, ngihluphekile.

[17]Izinsizi zenhliziyo yami zikhulile; ngikhiphe ezinhluphekweni zami.

[18] Bheka ukuhlupheka kwami nosizi lwami, ungithethelele zonke izono zami.

[19] Bheka izitha zami, ngokuba ziningi; ziyangizonda ngenzondo yonya.

[20]Londoloza umphefumulo wami, ungikhulule; mawungangijabhisi, ngokuba ngiphephela kuwe.

[21]Ukulunga nobuqotho makungilondoloze, ngokuba ngilindele wena.

[22]Nkulunkulu, hlenga u-Israyeli kuzo zonke izinkathazo zakhe.

AmaHubo 26

Umkhuleko wohlushwa engenacala

ElikaDavide.

[1] Ngahlulele, Jehova, ngokuba ngihamba ekulungeni kwami; ngithemba uJehova, angiyikuntenga.

[2] Examina-me, SENHOR, e prova-me; sonda-me o coração e os pensamentos.

[3] Pois a tua benignidade, tenho-a perante os olhos e tenho andado na tua verdade.

[4] Não me tenho assentado com homens falsos e com os dissimuladores não me associo.

[5] Aborreço a súcia de malfeitores e com os ímpios não me assento.

[6] Lavo as mãos na inocência e, assim, andarei, SENHOR, ao redor do teu altar,

[7] para entoar, com voz alta, os louvores e proclamar as tuas maravilhas todas.

[8] Eu amo, SENHOR, a habitação de tua casa e o lugar onde tua glória assiste.

[9] Não colhas a minha alma com a dos pecadores, nem a minha vida com a dos homens sanguinários,

[10] em cujas mãos há crimes e cuja destra está cheia de subornos.

[11] Quanto a mim, porém, ando na minha integridade; livra-me e tem compaixão de mim.

[12] O meu pé está firme em terreno plano; nas congregações, bendirei o SENHOR.

Salmo 27

Anelo pela presença de Deus

Salmo de Davi

[1] O SENHOR é a minha luz e a minha salvação; de quem terei medo? O SENHOR é a fortaleza da minha vida; a quem temerei?

[2] Ngivivinye, Jehova, ungilinge; hlolisisa izinso zami nenhliziyo yami.

[3]Ngokuba ububele bakho buphambi kwamehlo ami; ngihamba eqinisweni lakho.

[4] Angihlali nabantu bamanga, angihambelani nezimbulu.

[5] Ngiyawuzonda umhlangano wabenza okubi, angihlali nababi.

[6] Ngiyahlamba izandla zami ngingenacala, ngizungeza i-altare lakho, Jehova,

[7] ukuba ngizwakalise izwi lokudumisa, ngilande ngazo zonke izimangaliso zakho.

[8] Jehova, ngiyayithanda inkundla yendlu yakho nendawo lapho kuhlezi khona inkazimulo yakho.

[9] Ungamukisi umphefumulo wami kanye nezoni nokuphila kwami kanye nabantu begazi

[10]abanehlazo ezandleni zabo, nesokunene sabo sigcwele izipho zenkohliso.

[11]Kepha mina ngihamba ekulungeni kwami; ngihlenge, ube nomusa kimi.

[12] Unyawo lwami lumi ebaleni; ngizakudumisa uJehova emihlanganweni.

AmaHubo 27

Ukujabulela uNkulunkulu nezwi lakhe

ElikaDavide.

[1]UJehova ungukukhanya kwami nensindiso yami; ngizakwesaba bani na? UJehova uyinqaba yokuphila kwami; ngizakuba novalo ngobani na?

[2] Quando malfeitores me sobrevêm para me destruir, meus opressores e inimigos, eles é que tropeçam e caem.

[3] Ainda que um exército se acampe contra mim, não se atemorizará o meu coração; e, se estourar contra mim a guerra, ainda assim terei confiança.

[4] Uma coisa peço ao SENHOR, e a buscarei: que eu possa morar na Casa do SENHOR todos os dias da minha vida, para contemplar a beleza do SENHOR e meditar no seu templo.

[5] Pois, no dia da adversidade, ele me ocultará no seu pavilhão; no recôndito do seu tabernáculo, me acolherá; elevar-me-á sobre uma rocha.

[6] Agora, será exaltada a minha cabeça acima dos inimigos que me cercam. No seu tabernáculo, oferecerei sacrifício de júbilo; cantarei e salmodiarei ao SENHOR.

[7] Ouve, SENHOR, a minha voz; eu clamo; compadece-te de mim e responde-me.

[8] Ao meu coração me ocorre: Buscai a minha presença; buscarei, pois, SENHOR, a tua presença.

[9] Não me escondas, SENHOR, a tua face, não rejeites com ira o teu servo; tu és o meu auxílio, não me recuses, nem me desampares, ó Deus da minha salvação.

[10] Porque, se meu pai e minha mãe me desampararem, o SENHOR me acolherá.

[2]Ekusondeleni kwababi ukuba badle inyama yami abamelene nami nezitha zami bayakhubeka, bawe.

[3] Noma impi imisa ngakimi, inhliziyo yami ayesabi; noma ngivukelwa ngukulwa, nokho nginethemba.

[4] Kunye engikucele kuJehova, ngiyakufuna khona: ukuba ngihlale endlini kaJehova izinsuku zonke zokuphila kwami ukubona ubuhle bukaJehova, ngibuke ithempeli lakhe.

[5] Ngokuba uyangithukusa edokodweni lakhe ngosuku lokuhlupheka, angicashise ekusithekeni kwetende lakhe, angiphakamisele edwaleni.

[6]Nakalokhu ikhanda lami lizakuphakama ngaphezu kwezitha zami ezingihaqileyo; ngizakunikela iminikelo yokwethaba etendeni lakhe, ngihlabelele, ngidumise uJehova ngogubhu.

[7]Yizwa, Jehova, ngikhala ngezwi elikhulu; yiba nomusa kimi, ungiphendule.

[8] Kuwena othi: Funani ubuso bami, inhliziyo yami ithi: Ubuso bakho, Jehova, ngiyabufuna.

[9] Ungafihli ubuso bakho kimi, ungaxoshi inceku yakho ngokuthukuthela; wena ulusizo lwami, ungangilahli, ungangishiyi, Nkulunkulu wensindiso yami.

[10]Ngokuba ubaba nomame bangishiyile, kodwa uJehova uzakungamukela.

[11] Ensina-me, SENHOR, o teu caminho e guia-me por vereda plana, por causa dos que me espreitam.
[12] Não me deixes à vontade dos meus adversários; pois contra mim se levantam falsas testemunhas e os que só respiram crueldade.

[13] Eu creio que verei a bondade do SENHOR na terra dos viventes.

[14] Espera pelo SENHOR, tem bom ânimo, e fortifique-se o teu coração; espera, pois, pelo SENHOR.

[11] Ngifundise indlela yakho, Jehova, ungihole endleleni ekhanyayo ngenxa yezitha zami.
[12] Unganginikeli entandweni yezitha zami; ngokuba ofakazi bamanga bangivukele kanye nabafutha ukudlozomela.
[13] Yeka, uma bengingathembanga ukubona okuhle kukaJehova ezweni labaphilayo!

[14] Lindela uJehova, uqine, inhliziyo yakho ime isibindi; yebo, lindela uJehova.

Salmo 28

Súplica e ações de graças
Salmo de Davi

[1] A ti clamo, ó SENHOR; rocha minha, não sejas surdo para comigo; para que não suceda, se te calares acerca de mim, seja eu semelhante aos que descem à cova.
[2] Ouve-me as vozes súplices, quando a ti clamar por socorro, quando erguer as mãos para o teu santuário.
[3] Não me arrastes com os ímpios, com os que praticam a iniqüidade; os quais falam de paz ao seu próximo, porém no coração têm perversidade.
[4] Paga-lhes segundo as suas obras, segundo a malícia dos seus atos; dá-lhes conforme a obra de suas mãos, retribui-lhes o que merecem.
[5] E, visto que não atentam para os feitos do SENHOR, nem para o que as suas mãos fazem, ele os derribará e não os reedificará.

AmaHubo 28

Umkhuleko wocela ukusizwa esandleni sababi
ElikaDavide.

[1] Ngikhala kuwe Jehova; Dwala lami, ungabi yisithulu kimi, funa kuthi, uma uthula kimi, ngifane nabashona emgodini.

[2]Yizwa izwi lokunxusa kwami, nxa ngikhala kuwe, ngiphakamisela izandla zami endaweni yakho engcwelengcwele.
[3]Ungangimukisi kanye nababi nabenza okubi abakhuluma ukuthula nabakhelwane babo, kanti kukhona okubi ezinhliziyweni zabo.
[4]Banike njengokwenza kwabo nanjengobubi bemisebenzi yabo; banike njengokwenza kwezandla zabo, baphindisele abakwenzileyo.

[5] Ngokuba abayinaki imisebenzi kaJehova nokwenza kwezandla zakhe; uyakubadiliza, angabakhi.

[6] Bendito seja o SENHOR, porque me ouviu as vozes súplices!

[7] O SENHOR é a minha força e o meu escudo; nele o meu coração confia, nele fui socorrido; por isso, o meu coração exulta, e com o meu cântico o louvarei.

[8] O SENHOR é a força do seu povo, o refúgio salvador do seu ungido.

[9] Salva o teu povo e abençoa a tua herança; apascenta-o e exalta-o para sempre.

[6]Makabongwe uJehova, ngokuba ulizwile izwi lokunxusa kwami.

[7] UJehova ungamandla ami nesihlangu sami; inhliziyo yami ithembe kuye, ngasizwa; ngakho-ke inhliziyo yami iyethaba; ngizakumdumisa ngesihlabelelo sami.

[8] UJehova ungamandla abantu bakhe; uyinqaba yensindiso yogcotshiweyo wakhe.

[9] Sindisa abantu bakho, ubusise ifa lakho, ubaluse, ubathwale kuze kube phakade.

Salmo 29

A voz de Deus na tempestade

Salmo de Davi

[1] Tributai ao SENHOR, filhos de Deus, tributai ao SENHOR glória e força.

[2] Tributai ao SENHOR a glória devida ao seu nome, adorai o SENHOR na beleza da santidade.

[3] Ouve-se a voz do SENHOR sobre as águas; troveja o Deus da glória; o SENHOR está sobre as muitas águas.

[4] A voz do SENHOR é poderosa; a voz do SENHOR é cheia de majestade.

[5] A voz do SENHOR quebra os cedros; sim, o SENHOR despedaça os cedros do Líbano.

[6] Ele os faz saltar como um bezerro; o Líbano e o Siriom, como bois selvagens.

[7] A voz do SENHOR despede chamas de fogo.

[8] A voz do SENHOR faz tremer o deserto; o SENHOR faz tremer o deserto de Cades.

AmaHubo 29

Izwi likaJehova esivunguvungwini

Ihubo likaDavide.

[1] Mnikeni uJehova, nina madodana kaNkulunkulu, mnikeni uJehova udumo namandla.

[2]Mnikeni uJehova udumo lwegama lakhe, nikhuleke kuJehova emvunulweni engcwele.

[3] Izwi likaJehova liphezu kwamanzi, uNkulunkulu wenkazimulo uyaduma; uJehova uphezu kwamanzi amakhulu.

[4]Izwi likaJehova linamandla; izwi likaJehova linenkazimulo.

[5]Izwi likaJehova liyaphula imisedari; uJehova waphula imisedari yaseLebanoni.

[6]ILebanoni ulitshekulisisa okwenkonyane, neSiriyoni njengethole lenyathi.

[7]Izwi likaJehova lidabula amalangabi omlilo.

[8]Izwi likaJehova lizamazamisa ihlane; uJehova uzamazamisa ihlane laseKadeshi.

[9] A voz do SENHOR faz dar cria às corças e desnuda os bosques; e no seu templo tudo diz: Glória!

[10] O SENHOR preside aos dilúvios; como rei, o SENHOR presidirá para sempre.

[11] O SENHOR dá força ao seu povo, o SENHOR abençoa com paz ao seu povo.

[9]Izwi likaJehova liphunzisa izimbabala; lihluba amahlathi; nasethempelini lakhe konke kuthi: Udumo!

[10] UJehova wayehlezi ebusa phezu kukazamcolo; uJehova uhlezi eyinkosi kuze kube phakade.

[11] UJehova uzakunika abantu bakhe amandla; uJehova uzakubusisa abantu bakhe ngokuthula.

Salmo 30

Ações de graças pela libertação da morte

Salmo de Davi. Cântico da dedicação da casa

[1] Eu te exaltarei, ó SENHOR, porque tu me livraste e não permitiste que os meus inimigos se regozijassem contra mim.

[2] SENHOR, meu Deus, clamei a ti por socorro, e tu me saraste.

[3] SENHOR, da cova fizeste subir a minha alma; preservaste-me a vida para que não descesse à sepultura.

[4] Salmodiai ao SENHOR, vós que sois seus santos, e dai graças ao seu santo nome.

[5] Porque não passa de um momento a sua ira; o seu favor dura a vida inteira. Ao anoitecer, pode vir o choro, mas a alegria vem pela manhã.

[6] Quanto a mim, dizia eu na minha prosperidade: jamais serei abalado.

[7] Tu, SENHOR, por teu favor fizeste permanecer forte a minha montanha; apenas voltaste o rosto, fiquei logo conturbado.

[8] Por ti, SENHOR, clamei, ao SENHOR implorei.

AmaHubo 30

Ukubonga kosindisiweyo ekufeni

Ihubo. Igama lokuvula indlu. ElikaDavide.

[1]Ngiyakuphakamisa, Jehova, ngokuba ungikhuphulile; awuvumanga ukuba izitha zami zijabule phezu kwami.

[2] Jehova Nkulunkulu wami, ngakhala kuwe, wangiphilisa.

[3] Jehova, umphefumulo wami uwukhuphulile endaweni yabafileyo, wangiphilisa phakathi kwabashona emgodini.

[4]Dumisani uJehova nina enimkhonzayo, nibonge igama lakhe elingcwele.

[5] Ngokuba ukuthukuthela kwakhe kuba ngokomzuzwana nje, umusa wakhe uba ngowokuphila konke; kusihlwa kungena ukukhala, ekuseni ukujabula.

[6]Mina ngithe ekubuseni kwami: Angisoze nganyakaziswa naphakade.

[7]Jehova, ngomusa wakho ubuwenzile ukuba iqine intaba yami; wabufihla ubuso bakho, ngase ngithuthumela.

[8]Ngakhala kuwe Jehova; nganxusa kuJehova, ngathi:

[9] Que proveito obterás no meu sangue, quando baixo à cova? Louvar-te-á, porventura, o pó? Declarará ele a tua verdade?
[10] Ouve, SENHOR, e tem compaixão de mim; sê tu, SENHOR, o meu auxílio.
[11] Converteste o meu pranto em folguedos; tiraste o meu pano de saco e me cingiste de alegria,
[12] para que o meu espírito te cante louvores e não se cale. SENHOR, Deus meu, graças te darei para sempre.

Salmo 31

Lamentos e louvor
Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Em ti, SENHOR, me refugio; não seja eu jamais envergonhado; livra-me por tua justiça.
[2] Inclina-me os ouvidos, livra-me depressa; sê o meu castelo forte, cidadela fortíssima que me salve.
[3] Porque tu és a minha rocha e a minha fortaleza; por causa do teu nome, tu me conduzirás e me guiarás.
[4] Tirar-me-ás do laço que, às ocultas, me armaram, pois tu és a minha fortaleza.
[5] Nas tuas mãos, entrego o meu espírito; tu me remiste, SENHOR, Deus da verdade.
[6] Aborreces os que adoram ídolos vãos; eu, porém, confio no SENHOR.
[7] Eu me alegrarei e regozijarei na tua benignidade, pois tens visto a minha aflição, conheceste as angústias de minha alma

[9] Kukhona nzuzoni egazini lami nasekushoneni kwami egebeni na? Uthuli luzakukudumisa yini, lushumayele iqiniso lakho, na?
[10]Yizwa, Jehova, ube nomusa kimi; Jehova, yiba ngumsizi wami.
[11]Waphendula ukukhala kwami kwaba ngukusina; wangikhumula izingubo zami zokulila, wangembathisa ukujabula,
[12] ukuze umphefumulo wami ukudumise, ungathuli; Jehova Nkulunkulu wami, ngizakukubonga kuze kube phakade.

AmaHubo 31

Ukumethemba uJehova
Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

[1] Ithemba lami ngilibeka kuwe Jehova; mawungangijabhisi naphakade; ngikhulule ngokulunga kwakho.
[2]Beka kimi indlebe yakho, ungophule masinyane, ube yidwala eliqinileyo kimi, indlu yezinqaba yokungisindisa.
[3] Ngokuba wena uyidwala lami nenqaba yami; ngenxa yegama lakho uyakungihola, ungiqondise.
[4]Uyakungikhipha enetheni abangicuphe ngalo, ngokuba wena uyinqaba yami.
[5] Ngibeka umoya wami esandleni sakho; uyangihlenga, Jehova Nkulunkulu othembekayo.
[6]Ngiyabazonda abakhonza onkulunkulu abayize, kepha mina ngithemba uJehova.
[7] Ngizakwethaba, ngijabule ngomusa wakho, ngokuba ukubonile ukuhlupheka kwami, wazinaka izinsizi zomphefumulo wami;

[8] e não me entregaste nas mãos do inimigo; firmaste os meus pés em lugar espaçoso.

[9] Compadece-te de mim, SENHOR, porque me sinto atribulado; de tristeza os meus olhos se consomem, e a minha alma e o meu corpo.

[10] Gasta-se a minha vida na tristeza, e os meus anos, em gemidos; debilita-se a minha força, por causa da minha iniqüidade, e os meus ossos se consomem.

[11] Tornei-me opróbrio para todos os meus adversários, espanto para os meus vizinhos e horror para os meus conhecidos; os que me vêem na rua fogem de mim.

[12] Estou esquecido no coração deles, como morto; sou como vaso quebrado.

[13] Pois tenho ouvido a murmuração de muitos, terror por todos os lados; conspirando contra mim, tramam tirar-me a vida.

[14] Quanto a mim, confio em ti, SENHOR. Eu disse: tu és o meu Deus.

[15] Nas tuas mãos, estão os meus dias; livra-me das mãos dos meus inimigos e dos meus perseguidores.

[16] Faze resplandecer o teu rosto sobre o teu servo; salva-me por tua misericórdia.

[17] Não seja eu envergonhado, SENHOR, pois te invoquei; envergonhados sejam os perversos, emudecidos na morte.

[18] Emudeçam os lábios mentirosos, que falam insolentemente contra o justo, com arrogância e desdém.

[8]awunginikelanga esandleni sesitha, wazimisa izinyawo zami endaweni ebanzi.

[9] Yiba nomusa kimi, Jehova, ngokuba ngiyahlupheka; iso lami liyafa usizi, nomphefumulo wami nomzimba wami.

[10] Ngokuba ukuphila kwami kuphelela osizini, neminyaka yami ekububuleni; amandla ami aphelile ngokona kwami, namathambo ami ancunzekile.

[11]Ngenxa yezitha zami zonke sengaba yisihlamba, ikakhulu kubakhelwane bami ngaba ngobesabisayo abangane bami; abangibona endleleni bayangibalekela.

[12]Sengakhohlakala enhliziyweni njengofileyo; nginjengesitsha esifileyo.

[13] Ngokuba ngikuzwile ukuhleba kwabaningi ngokwesabisayo nxazonke; besenza icebo ngami bahlosa ukubulala umphefumulo wami.

[14]Kepha mina ngithemba wena Jehova; ngithi: UnguNkulunkulu wami.

[15] Izikhathi zami zisesandleni sakho; ngikhulule esandleni sezitha zami nakwabangizingelayo.

[16] Khanyisa ubuso bakho phezu kwenceku yakho; ngisindise ngomusa wakho.

[17]Jehova, mawungangijabhisi, ngokuba ngiyakubiza; mabajabhiswe ababi, bathuliswe endaweni yabafileyo.

[18]Mazithuliswe izindebe zamanga ezijivaza olungileyo ngokuzidla nangokweyisa.

[19] Como é grande a tua bondade, que reservaste aos que te temem, da qual usas, perante os filhos dos homens, para com os que em ti se refugiam!

[20] No recôndito da tua presença, tu os esconderás das tramas dos homens, num esconderijo os ocultarás da contenda de línguas.

[21] Bendito seja o SENHOR, que engrandeceu a sua misericórdia para comigo, numa cidade sitiada!

[22] Eu disse na minha pressa: estou excluído da tua presença. Não obstante, ouviste a minha súplice voz, quando clamei por teu socorro.

[23] Amai o SENHOR, vós todos os seus santos. O SENHOR preserva os fiéis, mas retribui com largueza ao soberbo.

[24] Sede fortes, e revigore-se o vosso coração, vós todos que esperais no SENHOR.

Salmo 32

A bem-aventurança de quem recebe o perdão

De Davi. Salmo didático

[1] Bem-aventurado aquele cuja iniqüidade é perdoada, cujo pecado é coberto.

[2] Bem-aventurado o homem a quem o SENHOR não atribui iniqüidade e em cujo espírito não há dolo.

[3] Enquanto calei os meus pecados, envelheceram os meus ossos pelos meus constantes gemidos todo o dia.

[19]Yeka ubukhulu bomusa wakho obagodlele wona abakwesabayo, owenzele bona ababalekela kuwe, phambi kwabantwana babantu.

[20] Ubafihla ekusithekeni kobuso bakho ngenxa yezigungu zabantu; ubalondoloza edokodweni ekuxabaneni kwezilimi.

[21] Makabongwe uJehova, ngokuba ungenzele umusa wakhe omangalisayo emzini oqinileyo.

[22]Mina-ke ngithe ovalweni lwami: Ngixoshiwe emehlweni akho; nokho walizwa izwi lokunxusa kwami ekukhaleni kwami kuwe.

[23]Mthandeni uJehova nina nonke enimkhonzayo; uJehova uyabalondoloza abakholekileyo, amphindisele kakhulu ozidlayo.

[24] Qinani, inhliziyo yenu ibe nesibindi, nina nonke enithemba uJehova.

AmaHubo 32

Ukuvuma izono nokuthethelelwa kwazo

ElikaDavide. IMaskili.

[1] Ubusisiwe osiphambeko sakhe sithethelelwe, osono sakhe sisibekelwe.

[2]Ubusisiwe umuntu uJehova angambaleli isiphambeko, kungekho nkohliso emoyeni wakhe.

[3] Kwathi ngithule, amathambo ami aguga ngokububula kwami usuku lonke.

[4] Porque a tua mão pesava dia e noite sobre mim, e o meu vigor se tornou em sequidão de estio.

[5] Confessei-te o meu pecado e a minha iniqüidade não mais ocultei. Disse: confessarei ao SENHOR as minhas transgressões; e tu perdoaste a iniqüidade do meu pecado.

[6] Sendo assim, todo homem piedoso te fará súplicas em tempo de poder encontrar-te. Com efeito, quando transbordarem muitas águas, não o atingirão.

[7] Tu és o meu esconderijo; tu me preservas da tribulação e me cercas de alegres cantos de livramento.

[8] Instruir-te-ei e te ensinarei o caminho que deves seguir; e, sob as minhas vistas, te darei conselho.

[9] Não sejais como o cavalo ou a mula, sem entendimento, os quais com freios e cabrestos são dominados; de outra sorte não te obedecem.

[10] Muito sofrimento terá de curtir o ímpio, mas o que confia no SENHOR, a misericórdia o assistirá.

[11] Alegrai-vos no SENHOR e regozijai-vos, ó justos; exultai, vós todos que sois retos de coração.

Salmo 33

Louvor ao Criador e Preservador

[1] Exultai, ó justos, no SENHOR! Aos retos fica bem louvá-lo.

[4] Ngokuba imini nobusuku isandla sakho sasinzima phezu kwami, uloya lwami loma njengokomisa kwehlobo. ***Sela***

[5] Ngasivuma isono sami kuwe, angisifihlanga isiphambeko sami; ngathi: Ngizakuzivuma izono zami kuJehova, wena wathethelela icala lesono sami. ***Sela***

[6] Ngakho-ke yilowo nalowo olungileyo makakhuleke kuwe ngesikhathi sokukufumana; impela kuyakuthi lapho amanzi amakhulu ekhukhula, angafinyeleli kuye.

[7] Wena uyindawo yami yokucasha; uyangilondoloza ngingahlupheki; ungiphahla ngenjabulo yokukhululwa. ***Sela***

[8] Ngizakukufundisa, ngikubonise indlela ozakuhamba ngayo; ngizakukululeka ngeso lami.

[9] Ningabi njengehhashi nembongolo engenangqondo; umkhala netomu yimvunulo yayo yokuyiqondisa, uma ingasondeli kuwe.

[10] Omubi unezinhlupheko eziningi, kepha othemba uJehova umusa uyakumphahla.

[11] Jabulani kuJehova, nethabe nina balungileyo, nethabe nina nonke baqotho ngenhliziyo.

AmaHubo 33

Ukumdumisa uNkulunkulu uMninimandla onke ngenxa yezenzo zakhe ezinhle

[1]Yethabani kuJehova nina balungileyo; ukudumisa kubafanele abaqotho.

[2] Celebrai o SENHOR com harpa, louvai-o com cânticos no saltério de dez cordas.
[3] Entoai-lhe novo cântico, tangei com arte e com júbilo.
[4] Porque a palavra do SENHOR é reta, e todo o seu proceder é fiel.
[5] Ele ama a justiça e o direito; a terra está cheia da bondade do SENHOR.

[6] Os céus por sua palavra se fizeram, e, pelo sopro de sua boca, o exército deles.

[7] Ele ajunta em montão as águas do mar; e em reservatório encerra as grandes vagas.

[8] Tema ao SENHOR toda a terra, temam-no todos os habitantes do mundo.

[9] Pois ele falou, e tudo se fez; ele ordenou, e tudo passou a existir.
[10] O SENHOR frustra os desígnios das nações e anula os intentos dos povos.
[11] O conselho do SENHOR dura para sempre; os desígnios do seu coração, por todas as gerações.

[12] Feliz a nação cujo Deus é o SENHOR, e o povo que ele escolheu para sua herança.

[13] O SENHOR olha dos céus; vê todos os filhos dos homens;
[14] do lugar de sua morada, observa todos os moradores da terra,
[15] ele, que forma o coração de todos eles, que contempla todas as suas obras.

[2] Bongani uJehova ngehabhu; mdumiseni ngogubhu oluzintambo ziyishumi.
[3]Mhubeleni ihubo elisha, nibethe kahle ngenhlokomo.
[4] Ngokuba izwi likaJehova lilungile; zonke izenzo zakhe ziyakholeka.
[5] Uthanda ukulunga nokwahlulela; umhlaba ugcwele umusa kaJehova.
[6] Ngezwi likaJehova izulu lenziwa, namabandla onke ngomoya womlomo wakhe.
[7] Ubuthela ndawonye amanzi olwandle njengenqwaba; uwabeka ajulileyo ezinqolobaneni.
[8]Umhlaba wonke mawumesabe uJehova; bonke abakhileyo ezweni mabathuthumele phambi kwakhe.
[9] Ngokuba wakhuluma, kwaba khona; wayaleza, kwema khona.
[10] UJehova uchitha icebo labezizwe; uphuthisa imicabango yabantu.
[11] Icebo likaJehova limi phakade, nemicabango yenhliziyo yakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane.
[12] Sibusisiwe isizwe esiNkulunkulu waso nguJehova, isizwe asikhethileyo sibe yifa lakhe.
[13]UJehova uyabheka esezulwini; uyababona bonke abantwana babantu.
[14] Esendaweni lapho ehlala khona uyababuka bonke abakhileyo ezweni,
[15] yena owadala izinhliziyo zabo bonke, oqaphela zonke izenzo zabo.

[16] Não há rei que se salve com o poder dos seus exércitos; nem por sua muita força se livra o valente.
[17] O cavalo não garante vitória; a despeito de sua grande força, a ninguém pode livrar.
[18] Eis que os olhos do SENHOR estão sobre os que o temem, sobre os que esperam na sua misericórdia,
[19] para livrar-lhes a alma da morte, e, no tempo da fome, conservar-lhes a vida.
[20] Nossa alma espera no SENHOR, nosso auxílio e escudo.

[21] Nele, o nosso coração se alegra, pois confiamos no seu santo nome.

[22] Seja sobre nós, SENHOR, a tua misericórdia, como de ti esperamos.

Salmo 34

Provai que o Senhor é bom!
Salmo de Davi, quando se fingiu amalucado na presença de Abimeleque e, por este expulso, ele se foi
1 Sm 21.13-15

[1] Bendirei o SENHOR em todo o tempo, o seu louvor estará sempre nos meus lábios.

[2] Gloriar-se-á no SENHOR a minha alma; os humildes o ouvirão e se alegrarão.

[3] Engrandecei o SENHOR comigo, e todos, à uma, lhe exaltemos o nome.
[4] Busquei o SENHOR, e ele me acolheu; livrou-me de todos os meus temores.
[5] Contemplai-o e sereis iluminados, e o vosso rosto jamais sofrerá vexame.

[16] Ayikho inkosi esindiswa ngobuningi bempi yayo; isiqhwaga asikhululwa ngobukhulu bamandla aso.

[17] Ihhashi liyize ekusindiseni, alihlangulisi ngobukhulu bamandla alo.

[18]Bheka, iso likaJehova liphezu kwabamesabayo, abathemba umusa wakhe,
[19] ukuba akhulule umphefumulo wabo ekufeni, abaphilise endlaleni.
[20] Umphefumulo wethu ulindela uJehova; ungukusiza kwethu nesihlangu sethu.
[21]Ngalokho inhliziyo yethu ithokoza ngaye, ngokuba sithemba igama lakhe elingcwele.
[22]Umusa wakho, Jehova, mawube phezu kwethu, njengalokhu sithemba wena.

AmaHubo 34

Ukubonga umusa kaNkulunkulu

ElikaDavide mhla ezishaya uhlanya phambi kuka-Abimeleki owamxosha waze wamuka.

[1] Ngiyakumbonga uJehova ngezikhathi zonke; ukudunyiswa kwakhe kuyakuba semlonyeni wami njalonjalo.
[2]Umphefumulo wami uyakuzibonga ngoJehova; abathobekileyo bayakukuzwa, bajabule.
[3]Mtuseni uJehova kanye nami, siphakamise igama lakhe kanyekanye.
[4]Ngamfuna uJehova, wangiphendula; wangikhulula kulo lonke uvalo lwami.
[5]Babheka kuye phezulu, bakhanya; ubuso babo abusoze bajabha.

6 Clamou este aflito, e o SENHOR o ouviu e o livrou de todas as suas tribulações.

7 O anjo do SENHOR acampa-se ao redor dos que o temem e os livra.

8 Oh! Provai e vede que o SENHOR é bom; bem-aventurado o homem que nele se refugia.

9 Temei o SENHOR, vós os seus santos, pois nada falta aos que o temem.

10 Os leõezinhos sofrem necessidade e passam fome, porém aos que buscam o SENHOR bem nenhum lhes faltará.

11 Vinde, filhos, e escutai-me; eu vos ensinarei o temor do SENHOR.

12 Quem é o homem que ama a vida e quer longevidade para ver o bem?

13 Refreia a língua do mal e os lábios de falarem dolosamente.

14 Aparta-te do mal e pratica o que é bom; procura a paz e empenha-te por alcançá-la.

15 Os olhos do SENHOR repousam sobre os justos, e os seus ouvidos estão abertos ao seu clamor.

16 O rosto do SENHOR está contra os que praticam o mal, para lhes extirpar da terra a memória.

17 Clamam os justos, e o SENHOR os escuta e os livra de todas as suas tribulações.

18 Perto está o SENHOR dos que têm o coração quebrantado e salva os de espírito oprimido.

6Nasi isihlupheki esakhala, uJehova wezwa, wasikhulula kuzo zonke izinhlupheko zaso.

7 Ingelosi kaJehova iyamisa nxazonke kubo abamesabayo, ibakhulule.

8 Yizwani nibone ukuthi uJehova muhle; ubusisiwe lowo muntu ophephela kuye.

9 Mesabeni uJehova nina bangcwele bakhe, ngokuba abasweli lutho abamesabayo.

10 Amabhongo ezingonyama ayaswela, alambe, kepha abafuna uJehova abayikuswela lutho oluhle.

11Zanini, bantwana, ningilalele; ngizakunifundisa ukumesaba uJehova.

12 Ngumuphi umuntu othanda ukuphila, ofisa izinsuku zokuba abone okuhle na?

13 Londa ulimi lwakho kokubi, nezindebe zakho kukho ukukhuluma inkohliso.

14 Deda kukho okubi, wenze okuhle; funa ukuthula, ukujonge.

15 Amehlo kaJehova akubo abalungileyo; izindlebe zakhe zikukho ukukhala kwabo.

16 Ubuso bukaJehova bumelene nabenza okubi ukuba achithe ukukhunjulwa kwabo emhlabeni.

17 Labo bayakhala, uJehova uyezwa; uyabakhulula kuzo zonke izinhlupheko zabo.

18 UJehova useduze nabo abanenhliziyo eyaphukileyo; uyabasindisa abanomoya odabukileyo.

[19] Muitas são as aflições do justo, mas o SENHOR de todas o livra.

[20] Preserva-lhe todos os ossos, nem um deles sequer será quebrado.

[21] O infortúnio matará o ímpio, e os que odeiam o justo serão condenados.

[22] O SENHOR resgata a alma dos seus servos, e dos que nele confiam nenhum será condenado.

Salmo 35

Castigo dos adversários
Salmo de Davi

[1] Contende, SENHOR, com os que contendem comigo; peleja contra os que contra mim pelejam.

[2] Embraça o escudo e o broquel e ergue-te em meu auxílio.

[3] Empunha a lança e reprime o passo aos meus perseguidores; dize à minha alma: Eu sou a tua salvação.

[4] Sejam confundidos e cobertos de vexame os que buscam tirar-me a vida; retrocedam e sejam envergonhados os que tramam contra mim.

[5] Sejam como a palha ao léu do vento, impelindo-os o anjo do SENHOR.

[6] Torne-se-lhes o caminho tenebroso e escorregadio, e o anjo do SENHOR os persiga.

[7] Pois sem causa me tramaram laços, sem causa abriram cova para a minha vida.

[19]Ziningi izinhlupheko zolungileyo, kepha uJehova uyamkhulula kuzo zonke.

[20] Uyawagcina onke amathambo akhe; alaphulwa nelilodwa kuwo.

[21]Okubi kuyakumbulala omubi; abazonda olungileyo bayakulahlwa ngecala.

[22]UJehova ukhulula umphefumulo wezinceku zakhe; akakho kwabamethembayo oyakuba necala.

AmaHubo 35

Umkhuleko wocela ukusindiswa ezitheni
ElikaDavide.

[1]Phikisana, Jehova, nabaphikisana nami, ulwe nabo abalwa nami.

[2]Thatha ihawu nesihlangu, uvuke, ungisize.

[3]Hosha umkhonto, uvimbe indlela kwabangizingelayo; yisho kuwo umphefumulo wami, uthi: Mina ngiyinsindiso yakho.

[4] Mabajabhe, bahlazeke abafuna umphefumulo wami; mababuyiselwe emuva, bajabhiswe abangisongelayo.

[5] Mababe njengamakhoba emoyeni, ingelosi kaJehova ibadudule.

[6] Indlela yabo mayibe mnyama, ibebushelezi, ingelosi kaJehova ibaxoshe.

[7] Ngokuba bangenzele ngasesitha igebe lenetha labo, kungekho sici, bembele umphefumulo wami umgodi, kungekho cala.

[8] Venha sobre o inimigo a destruição, quando ele menos pensar; e prendam-no os laços que tramou ocultamente; caia neles para a sua própria ruína.

[9] E minha alma se regozijará no SENHOR e se deleitará na sua salvação.

[10] Todos os meus ossos dirão: SENHOR, quem contigo se assemelha? Pois livras o aflito daquele que é demais forte para ele, o mísero e o necessitado, dos seus extorsionários.

[11] Levantam-se iníquas testemunhas e me argúem de coisas que eu não sei.

[12] Pagam-me o mal pelo bem, o que é desolação para a minha alma.

[13] Quanto a mim, porém, estando eles enfermos, as minhas vestes eram pano de saco; eu afligia a minha alma com jejum e em oração me reclinava sobre o peito,

[14] portava-me como se eles fossem meus amigos ou meus irmãos; andava curvado, de luto, como quem chora por sua mãe.

[15] Quando, porém, tropecei, eles se alegraram e se reuniram; reuniram-se contra mim; os abjetos, que eu não conhecia, dilaceraram-me sem tréguas;

[16] como vis bufões em festins, rangiam contra mim os dentes.

[17] Até quando, SENHOR, ficarás olhando? Livra-me a alma das violências deles; dos leões, a minha predileta.

[8] Ukubhujiswa makumehlele engazelele; inetha lakhe alibeke ngasesitha malimbambe yena; makawele kulo kube ngukubhujiswa kwakhe.

[9]Khona umphefumulo wami uzakwethaba kuJehova, uthokoze ngokusindisa kwakhe.

[10]Onke amathambo ami azakuthi: Jehova, ngubani onjengawe, wena okhulula ohluphekayo, yebo, ohluphekayo nompofu komphangayo, na?

[11] Ofakazi abangalungile bayasukuma, babuza kimi engingakwaziyo.

[12] Bangiphindisela okubi ngokuhle; umphefumulo wami bawusozisele.

[13] Kanti ekuguleni kwabo mina ngangembethe ezokuzila; umphefumulo wami ngawuhlupha ngokuzila ukudla; umkhuleko wami wabuyela esifubeni sami.

[14]Ngahamba kungathi bekungumngane wami nomfowethu; njengokhalela unina ngakhothama ngokulila.

[15] Kepha ekuweni kwami bahlekisa ngami, babuthana ndawonye; abashayi engingabaziyo bangibunganyela; badumaza bengayeki.

[16]Njengezinteli ezikhonzela ucezu lwesinkwa bangigedlela amazinyo.

[17] Nkosi, lokho uzakukubukela kuze kube nini na? Sindisa umphefumulo wami ekubhubhiseni kwabo, ukuphila kwami ezingonyameni ezingamabhongo.

[18] Dar-te-ei graças na grande congregação, louvar-te-ei no meio da multidão poderosa.

[19] Não se alegrem de mim os meus inimigos gratuitos; não pisquem os olhos os que sem causa me odeiam.

[20] Não é de paz que eles falam; pelo contrário, tramam enganos contra os pacíficos da terra.

[21] Escancaram contra mim a boca e dizem: Pegamos! Pegamos! Vimo-lo com os nossos próprios olhos.

[22] Tu, SENHOR, os viste; não te cales; SENHOR, não te ausentes de mim.

[23] Acorda e desperta para me fazeres justiça, para a minha causa, Deus meu e SENHOR meu.

[24] Julga-me, SENHOR, Deus meu, segundo a tua justiça; não permitas que se regozijem contra mim.

[25] Não digam eles lá no seu íntimo: Agora, sim! Cumpriu-se o nosso desejo! Não digam: Demos cabo dele!

[26] Envergonhem-se e juntamente sejam cobertos de vexame os que se alegram com o meu mal; cubram-se de pejo e ignomínia os que se engrandecem contra mim.

[27] Cantem de júbilo e se alegrem os que têm prazer na minha retidão; e digam sempre: Glorificado seja o SENHOR, que se compraz na prosperidade do seu servo!

[28] E a minha língua celebrará a tua justiça e o teu louvor todo o dia.

Salmo 36

[18] Ngizakukubonga ebandleni elikhulu, ngikudumise phakathi kwabantu abaningi.

[19] Mabangajabuli ngami abayizitha zami bengenasizathu; mabangaqwayizi amehlo abangizonda ngeze.

[20]Ngokuba abakhulumi ukuthula, kepha baqamba amazwi enkohliso ngabazithuleleyo emhlabeni.

[21] Yebo, bangikhamisela kakhulu umlomo wabo, bathi: Ashila, ashila, iso lethu liyabona!

[22]Uyakubona, Jehova; mawungathuli; Nkosi, mawungabi kude nami.

[23]Vuka, usukumele ukwahlulelwa kwami, Nkulunkulu wami, Nkosi yami, umele icala lami.

[24] Ngahlulele ngokulunga kwakho, Jehova Nkulunkulu wami; mabangajabuli ngami.

[25]Mabangasho enhliziyweni yabo ukuthi: He, kwaya ngesifiso sethu! Mabangasho ukuthi: Simgwinyile.

[26] Mabajabhe, babe namahloni bonke abajabula ngokuhlupheka kwami; abazikhukhumeza ngami mabembathiswe ukujabha nendumazo.

[27] Mabethabe, bajabule abathokoza ngokulunga kwami; mabathi njalonjalo: Makadunyiswe uJehova othokoza ngenhlanhla yenceku yakhe.

[28] Ulimi lwami luzakushumayela ngokulunga kwakho, usuku lonke ngodumo lwakho.

AmaHubo 36

Malícia humana e benignidade divina

Ao mestre de canto. De Davi, servo do Senhor

[1] Há no coração do ímpio a voz da transgressão; não há temor de Deus diante de seus olhos.

[2] Porque a transgressão o lisonjeia a seus olhos e lhe diz que a sua iniqüidade não há de ser descoberta, nem detestada.

[3] As palavras de sua boca são malícia e dolo; abjurou o discernimento e a prática do bem.

[4] No seu leito, maquina a perversidade, detém-se em caminho que não é bom, não se despega do mal.

[5] A tua benignidade, SENHOR, chega até aos céus, até às nuvens, a tua fidelidade.

[6] A tua justiça é como as montanhas de Deus; os teus juízos, como um abismo profundo. Tu, SENHOR, preservas os homens e os animais.

[7] Como é preciosa, ó Deus, a tua benignidade! Por isso, os filhos dos homens se acolhem à sombra das tuas asas.

[8] Fartam-se da abundância da tua casa, e na torrente das tuas delícias lhes dás de beber.

[9] Pois em ti está o manancial da vida; na tua luz, vemos a luz.

[10] Continua a tua benignidade aos que te conhecem, e a tua justiça, aos retos de coração.

Ububi babantu nomusa kaNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide, inceku kaJehova.

[1] Inkulumo yesiphambeko komubi, isekujuleni kwenhliziyo yami, ithi: Akukho ukumesaba uNkulunkulu phambi kwamehlo akhe.

[2] Ngokuba ukonakala kwakhe kuyamthopha emehlweni akhe, ukuze kungafunyanwa, azondeke ngakho.

[3]Amazwi omlomo wakhe angukona nenkohliso; ukuyekile ukuhlakanipha nokwenza okulungileyo.

[4] Uceba okubi ecansini lakhe, uzimisa endleleni engalungile; okubi kakwenyanyi.

[5] Jehova, ububele bakho bufinyelela ezulwini, nokuthembeka kwakho kuze kube semafwini.

[6] Ukulunga kwakho kunjengezintaba ezinkulukazi, ukwahlulela kwakho kulutwa olukhulu; usindisa abantu nezilwane, Jehova.

[7] Ububele bakho, Nkulunkulu, buyigugu elingaka; abantwana babantu bakhosela ethunzini lamaphiko akho.

[8] Bayakusutha ngamanoni endlu yakho, ubaphuzise okomfula wokuthokoza kwakho.

[9] Ngokuba ukuwe umthombo wokuphila; ekukhanyeni kwakho siyakubona ukukhanya.

[10]Mawume umusa wakho kubo abakwaziyo, nokulunga kwakho kubo abaqotho ngenhliziyo.

[11] Não me calque o pé da insolência, nem me repila a mão dos ímpios.

[12] Tombaram os obreiros da iniqüidade; estão derruídos e já não podem levantar-se.

Salmo 37

Temporária, a felicidade dos perversos

Salmo de Davi

[1] Não te indignes por causa dos malfeitores, nem tenhas inveja dos que praticam a iniqüidade.

[2] Pois eles dentro em breve definharão como a relva e murcharão como a erva verde.

[3] Confia no SENHOR e faze o bem; habita na terra e alimenta-te da verdade.

[4] Agrada-te do SENHOR, e ele satisfará os desejos do teu coração.

[5] Entrega o teu caminho ao SENHOR, confia nele, e o mais ele fará.

[6] Fará sobressair a tua justiça como a luz e o teu direito, como o sol ao meio-dia.

[7] Descansa no SENHOR e espera nele, não te irrites por causa do homem que prospera em seu caminho, por causa do que leva a cabo os seus maus desígnios.

[8] Deixa a ira, abandona o furor; não te impacientes; certamente, isso acabará mal.

[9] Porque os malfeitores serão exterminados, mas os que esperam no SENHOR possuirão a terra.

[11]Unyawo loziqhenyayo malungangifikeli; nesandla somubi masingangixoshi.

[12] Bheka, bawile abenza okubi; bawiswe phansi, abasenakuvuka.

AmaHubo 37

Ubuze benhlanhla yababi

ElikaDavide.

[1] Ungazikhathazi ngababi, ungabi namhawu ngabenza okungalungile.

[2] Ngokuba bayakusikwa masinyane njengotshani, babune njengemithana eluhlaza.

[3]Themba kuJehova, wenze okulungileyo; hlala ezweni, uzondle ngokukholeka;

[4]zithokozise ngoJehova, yikhona ezakukunika okufiswa yinhliziyo yakho.

[5] Nikela indlela yakho esandleni sikaJehova, umethembe; yena uzakukwenza.

[6]Uzakuhlalukisa ukulunga kwakho njengokukhanya, nokufanele wena njengemini.

[7] Thula phambi kukaJehova, ulindele yena; ungakhathazeki ngonenhlanhla endleleni yakhe, ngomuntu osongoza amacebo amabi.

[8]Pheza ukuthukuthela; yeka ulaka, ungakhathazeki; kubanga ukona nje.

[9]Ngokuba ababi bazakuchithwa, kepha abalindela uJehova bazakudla ifa lomhlaba.

[10] Mais um pouco de tempo, e já não existirá o ímpio; procurarás o seu lugar e não o acharás.

[11] Mas os mansos herdarão a terra e se deleitarão na abundância de paz.

[12] Trama o ímpio contra o justo e contra ele ringe os dentes.

[13] Rir-se-á dele o SENHOR, pois vê estar-se aproximando o seu dia.

[14] Os ímpios arrancam da espada e distendem o arco para abater o pobre e necessitado, para matar os que trilham o reto caminho.

[15] A sua espada, porém, lhes traspassará o próprio coração, e os seus arcos serão espedaçados.

[16] Mais vale o pouco do justo que a abundância de muitos ímpios.

[17] Pois os braços dos ímpios serão quebrados, mas os justos, o SENHOR os sustém.

[18] O SENHOR conhece os dias dos íntegros; a herança deles permanecerá para sempre.

[19] Não serão envergonhados nos dias do mal e nos dias da fome se fartarão.

[20] Os ímpios, no entanto, perecerão, e os inimigos do SENHOR serão como o viço das pastagens; serão aniquilados e se desfarão em fumaça.

[21] O ímpio pede emprestado e não paga; o justo, porém, se compadece e dá.

[10]Kuse ngumzuzwana, omubi angabe esabakho; kuyakuthi lapho uhlola indawo yakhe, uyakube engasekho.

[11] Kepha abathobekileyo bazakulidla ifa lomhlaba, bathokoze ngokuthula okukhulu.

[12] Omubi uyamsongela olungileyo ngokubi, amgedlele amazinyo.

[13] INkosi iyakumhleka, ngokuba iyabona ukuthi usuku lwakhe luyeza.

[14]Ababi bahosha inkemba, bansale umnsalo wabo ukuba bamwise phansi ohluphekileyo nompofu, babulale abandlela ilungile.

[15]Inkemba yabo izakungena kweyabo inhliziyo, iminsalo yabo yaphulwe.

[16] Okuncane anakho olungileyo kungcono kunemfuyo yababi abaningi.

[17] Ngokuba izingalo zababi ziyakwaphulwa, kepha uJehova uyabaphasa abalungileyo.

[18] UJehova uyazazi izinsuku zabaqotho; ifa labo liyakuma kuze kube phakade.

[19] Abayikujabha esikhathini esibi; bayakusutha ezinsukwini zendlala.

[20] Ngokuba ababi bayakubhubha; izitha zikaJehova zinjengobuhle bamadlelo: ziyakunyamalala, zinyamalale njengentuthu.

[21] Omubi uyatsheleka, angabuyiseli; kepha olungileyo unesihawu, aphane.

[22] Aqueles a quem o SENHOR abençoa possuirão a terra; e serão exterminados aqueles a quem amaldiçoa.
[23] O SENHOR firma os passos do homem bom e no seu caminho se compraz;
[24] se cair, não ficará prostrado, porque o SENHOR o segura pela mão.
[25] Fui moço e já, agora, sou velho, porém jamais vi o justo desamparado, nem a sua descendência a mendigar o pão.
[26] É sempre compassivo e empresta, e a sua descendência será uma bênção.
[27] Aparta-te do mal e faze o bem, e será perpétua a tua morada.
[28] Pois o SENHOR ama a justiça e não desampara os seus santos; serão preservados para sempre, mas a descendência dos ímpios será exterminada.
[29] Os justos herdarão a terra e nela habitarão para sempre.
[30] A boca do justo profere a sabedoria, e a sua língua fala o que é justo.
[31] No coração, tem ele a lei do seu Deus; os seus passos não vacilarão.
[32] O perverso espreita ao justo e procura tirar-lhe a vida.
[33] Mas o SENHOR não o deixará nas suas mãos, nem o condenará quando for julgado.
[34] Espera no SENHOR, segue o seu caminho, e ele te exaltará para possuíres a

[22]Ngokuba ababusisiweyo bakhe bazakulidla ifa lomhlaba, kepha abaqalekiswa nguye bazakuchithwa.
[23]Izinyathelo zomuntu ziqiniswa nguJehova; uyayithanda indlela yakhe.
[24]Noma ekhubeka, akayikuwa phansi, ngokuba uJehova uphasa isandla sakhe.
[25]Kade ngimusha, manje sengimdala; angizange ngibone olungileyo eshiyiwe nenzalo yakhe iphanza ukudla.
[26] Usuku lonke uyahawukela, atsheleke, nenzalo yakhe iyisibusiso.
[27] Deda kokubi, wenze okuhle, uyakuhlala kuze kube phakade.
[28] Ngokuba uJehova uthanda ukulunga, akabashiyi abangcwele bakhe; bayalondolozwa kuze kube phakade, kepha inzalo yababi iyachithwa.
[29]Abalungileyo bazakudla ifa lomhlaba, bahlale kuwo njalonjalo.
[30] Umlomo wolungileyo ushumayela ukuhlakanipha; ulimi lwakhe lukhuluma ukulunga.
[31] Umthetho kaNkulunkulu wakhe usenhliziyweni yakhe; izinyathelo zakhe azisheleli.
[32] Omubi uqaphela olungileyo, ufuna ukumbulala.
[33]UJehova akayikumnikela esandleni sakhe; akayikumlahla lapho ahlulelwa khona.
[34]Lindela uJehova, ulonde indlela yakhe; uzakukuphakamisa, udle ifa lomhlaba, ubukele lapho ababi bechithwa khona.

terra; presenciarás isso quando os ímpios forem exterminados.

35 Vi um ímpio prepotente a expandir-se qual cedro do Líbano.

36 Passei, e eis que desaparecera; procurei-o, e já não foi encontrado.

37 Observa o homem íntegro e atenta no que é reto; porquanto o homem de paz terá posteridade.

38 Quanto aos transgressores, serão, à uma, destruídos; a descendência dos ímpios será exterminada.

39 Vem do SENHOR a salvação dos justos; ele é a sua fortaleza no dia da tribulação.

40 O SENHOR os ajuda e os livra; livra-os dos ímpios e os salva, porque nele buscam refúgio.

35 Ngambona omubi oyisidlova ezenabisile njengomuthi oluhlaza ogxilileyo;

36 kwathi lapho umuntu edlula, bheka, wayengasekho; ngamfuna, kepha akabe esafunyanwa.

37Mbhekisise ongasolekiyo, umbone oqotho; ngokuba umuntu wokuthula, ukugcina kwakhe kuhle.

38 Kepha abaphambukayo bayakubhujiswa bonke; isikhathi sababi siyakunqunywa.

39 Ukusindiswa kwabalungileyo kuvela kuJehova; uyinqaba yabo esikhathini sokuhlupheka.

40 UJehova uyabasiza, abakhulule; ubakhulula kwababi, abasindise, ngokuba bayamethemba.

Salmo 38

Arrependimento do pecador

Salmo de Davi. Em memória

1 Não me repreendas, SENHOR, na tua ira, nem me castigues no teu furor.

2 Cravam-se em mim as tuas setas, e a tua mão recai sobre mim.

3 Não há parte sã na minha carne, por causa da tua indignação; não há saúde nos meus ossos, por causa do meu pecado.

4 Pois já se elevam acima de minha cabeça as minhas iniqüidades; como fardos pesados, excedem as minhas forças.

AmaHubo 38

Umkhuleko wophendukileyo ecela ukukhululwa

Ihubo likaDavide. Elokukhumbuza.

1 Jehova, ungangijezisi ngentukuthelo yakho, ungangishayi ngolaka lwakho.

2 Ngokuba imicibisholo yakho ingihlabile; isandla sakho singicindezele kanzima.

3Akukho ukuphila enyameni yami ngenxa yentukuthelo yakho; akukho ukuthula emathanjeni ami ngenxa yesono sami.

4Ngokuba iziphambeko zami zeqile phezu kwekhanda lami; njengomthwalo osindayo ziyangisinda.

[5] Tornam-se infectas e purulentas as minhas chagas, por causa da minha loucura.

[5] Izilonda zami ziyanuka, zichicha ubovu ngenxa yobuwula bami.

[6] Sinto-me encurvado e sobremodo abatido, ando de luto o dia todo.

[6]Ngikhonkobele, ngithotshisiwe kakhulu; usuku lonke ngihamba ngilila.

[7] Ardem-me os lombos, e não há parte sã na minha carne.

[7]Ngokuba ukhalo lwami lutshutshumba kakhulu; akukho ukuphila enyameni yami.

[8] Estou aflito e mui quebrantado; dou gemidos por efeito do desassossego do meu coração.

[8]Ngibuthakathaka, ngidubekile kabi; ngiyakhala ngenxa yokugqiha kwenhliziyo yami.

[9] Na tua presença, SENHOR, estão os meus desejos todos, e a minha ansiedade não te é oculta.

[9]Nkosi, ukufisa kwami konke kuphambi kwakho; ukububula kwami akufihlekile kuwe.

[10] Bate-me excitado o coração, faltam-me as forças, e a luz dos meus olhos, essa mesma já não está comigo.

[10]Inhliziyo yami iyagquma kakhulu; amandla ami angishiyile, ngisho nokukhanya kwamehlo ami akusekho kimi.

[11] Os meus amigos e companheiros afastam-se da minha praga, e os meus parentes ficam de longe.

[11] Abathandekayo bami nabahlobo bami bemi kude nokuhlupheka kwami; abakwethu bemi kude laphaya.

[12] Armam ciladas contra mim os que tramam tirar-me a vida; os que me procuram fazer o mal dizem coisas perniciosas e imaginam engano todo o dia.

[12]Abafuna umphefumulo wami bayangicupha; abafuna ukungilimaza bakhuluma okubi, bazindla inkohliso usuku lonke.

[13] Mas eu, como surdo, não ouço e, qual mudo, não abro a boca.

[13] Mina kodwa nginjengesithulu, angizwa; nginjengesimungulu esingavuli umlomo waso.

[14] Sou, com efeito, como quem não ouve e em cujos lábios não há réplica.

[14]Yebo, nginjengomuntu ongezwayo; akukho ukuphikisa emlonyeni wakhe.

[15] Pois em ti, SENHOR, espero; tu me atenderás, SENHOR, Deus meu.

[15]Ngokuba ngithemba wena Jehova; wena Nkosi Nkulunkulu wami uzakuphendula.

[16] Porque eu dizia: Não suceda que se alegrem de mim e contra mim se engrandeçam quando me resvala o pé.

[16]Ngokuba ngithe: Funa bajabule ngami, ekushelelenі konyawo lwami bazikhukhumeze ngami.

[17] Pois estou prestes a tropeçar; a minha dor está sempre perante mim.

[18] Confesso a minha iniqüidade; suporto tristeza por causa do meu pecado.

[19] Mas os meus inimigos são vigorosos e fortes, e são muitos os que sem causa me odeiam.

[20] Da mesma sorte, os que pagam o mal pelo bem são meus adversários, porque eu sigo o que é bom.

[21] Não me desampares, SENHOR; Deus meu, não te ausentes de mim.

[22] Apressa-te em socorrer-me, SENHOR, salvação minha.

[17]Ngokuba ngiseduze kokuwa, nobuhlungu bami buphambi kwami ngezikhathi zonke.

[18]Ngokuba ngiyabika ukona kwami; ngiyadabuka ngesono sami.

[19] Kepha izitha zami ziphilile, zinamandla; baningi abangizonda ngeze.

[20] Abaphindisela okubi ngokuhle bamelene nami, ngokuba ngilandela okulungileyo.

[21]Ungangishiyi, Jehova; Nkulunkulu wami, ungabi kude nami.

[22] Phuthuma, ungisize, Nkosi, nsindiso yami.

Salmo 39

A vaidade da vida

Ao mestre de canto, Jedutum. Salmo de Davi

[1] Disse comigo mesmo: guardarei os meus caminhos, para não pecar com a língua; porei mordaça à minha boca, enquanto estiver na minha presença o ímpio.

[2] Emudeci em silêncio, calei acerca do bem, e a minha dor se agravou.

[3] Esbraseou-se-me no peito o coração; enquanto eu meditava, ateou-se o fogo; então, disse eu com a própria língua:

[4] Dá-me a conhecer, SENHOR, o meu fim e qual a soma dos meus dias, para que eu reconheça a minha fragilidade.

[5] Deste aos meus dias o comprimento de alguns palmos; à tua presença, o prazo da minha vida é nada. Na verdade, todo homem, por mais firme que esteja, é pura vaidade.

AmaHubo 39

Ukukhala kohluphekile kanzima

Kumholi wokuhlabelela; kuJeduthuni. Ihubo likaDavide.

[1] Ngithe: Ngizakulinda izindlela zami ukuba ngingoni ngolimi lwami; ngizakugcina umlomo wami ngesifonyo, omubi esekhona phambi kwamehlo ami.

[2] Ngabindela impela, ngathula nakukho okuhle; kwavuswa ubuhlungu bami.

[3] Inhliziyo yami yavutha phakathi kwami; kwaphembeka umlilo ngisazindla; ngakhuluma ngolimi lwami.

[4] Jehova, ngazise ukuphela kwami, nesilinganiso sezinsuku zami ukuba siyini; mangazi ukuthi ngingodlulayo.

[5] Bheka, izinsuku zami wazenza zaba ngangobubanzi besandla; imihla yokuphila kwami ayilutho kuwe; impela yilowo nalowo muntu ungumoya nje, noma eqine kangakanani. ***Sela***

[6] Com efeito, passa o homem como uma sombra; em vão se inquieta; amontoa tesouros e não sabe quem os levará.

[6] Impela umuntu uhamba njengesithunzi nje; impela uzikhathaza ngokuyize nje; unqwabela imfuyo, kepha akazi ukuthi ngubani ozakuyibutha.

[7] E eu, SENHOR, que espero? Tu és a minha esperança.

[7] Kalokhu-ke, Nkosi, ngilindele ntoni na? Ithemba lami likuwe.

[8] Livra-me de todas as minhas iniqüidades; não me faças o opróbrio do insensato.

[8]Ngisindise kuzo iziphambeko zami, ungangenzi isithuko sesiwula.

[9] Emudeço, não abro os lábios porque tu fizeste isso.

[9] Ngiyathula, angivuli umlomo wami; ngokuba nguwe okwenzileyo.

[10] Tira de sobre mim o teu flagelo; pelo golpe de tua mão, estou consumido.

[10]Susa kimi ukushaya kwakho, ngokuba ngiyaqedwa ngukushaywa yisandla sakho.

[11] Quando castigas o homem com repreensões, por causa da iniqüidade, destróis nele, como traça, o que tem de precioso. Com efeito, todo homem é pura vaidade.

[11] Nxa ulaya umuntu ngesijeziso ngenxa yeziphambeko, ubuhle bakhe ubenza buphele njengenundu; yilowo nalowo muntu ungumoya nje. ***Sela***

[12] Ouve, SENHOR, a minha oração, escuta-me quando grito por socorro; não te emudeças à vista de minhas lágrimas, porque sou forasteiro à tua presença, peregrino como todos os meus pais o foram.

[12] Yizwa umkhuleko wami, Jehova, ulalele ukumemeza kwami; ungathuli ngezinyembezi zami, ngokuba ngingumfokazi kuwe; ngiyisihambi njengokhokho bami bonke.

[13] Desvia de mim o olhar, para que eu tome alento, antes que eu passe e deixe de existir.

[13] Yeka ukungibuka, ngize ngincibilike, ngingakamuki lapha, ngingabe ngisabakho.

Salmo 40

Oração para livramento

Vs. 13-17: Salmo 70.1-5

Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Esperei confiantemente pelo SENHOR; ele se inclinou para mim e me ouviu quando clamei por socorro.

[2] Tirou-me de um poço de perdição, de um tremedal de lama; colocou-me os pés sobre uma rocha e me firmou os passos.

AmaHubo 40

Ukwethemba insindiso evela kuJehova

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo.

[1] Bengilindela uJehova; wayesezikhothamisela kimi, wezwa ukukhala kwami.

[2] Wangikhipha emgodini wokubhujiswa odakeni lobishi, wamisa izinyawo zami edwaleni, waqinisa izinyathelo zami.

3 E me pôs nos lábios um novo cântico, um hino de louvor ao nosso Deus; muitos verão essas coisas, temerão e confiarão no SENHOR.

4 Bem-aventurado o homem que põe no SENHOR a sua confiança e não pende para os arrogantes, nem para os afeiçoados à mentira.

5 São muitas, SENHOR, Deus meu, as maravilhas que tens operado e também os teus desígnios para conosco; ninguém há que se possa igualar contigo. Eu quisera anunciá-los e deles falar, mas são mais do que se pode contar.

6 Sacrifícios e ofertas não quiseste; abriste os meus ouvidos; holocaustos e ofertas pelo pecado não requeres.

7 Então, eu disse: eis aqui estou, no rolo do livro está escrito a meu respeito;

8 agrada-me fazer a tua vontade, ó Deus meu; dentro do meu coração, está a tua lei.

9 Proclamei as boas-novas de justiça na grande congregação; jamais cerrei os lábios, tu o sabes, SENHOR.

10 Não ocultei no coração a tua justiça; proclamei a tua fidelidade e a tua salvação; não escondi da grande congregação a tua graça e a tua verdade.

11 Não retenhas de mim, SENHOR, as tuas misericórdias; guardem-me sempre a tua graça e a tua verdade.

3Wabeka igama elisha emlonyeni wami, igama lokubonga uNkulunkulu wethu; abaningi bayakukubona, besabe, bamethembe uJehova.

4Ubusisiwe umuntu obeka ithemba lakhe kuJehova, ongaphendukeli kwabazidlayo nakwabaphambukela emangeni.

5 Jehova Nkulunkulu wami, ziningi izimangaliso zakho ozenzileyo, nezizindlo zakho ngathi; akukho okungafaniswa nawe; uma ngiyilanda, ngiyisho, miningi kunokuba ibalwe.

6 Umhlatshelo nomnikelo wokudla awuwuthandi; izindlebe zami uzibhobozile; umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono awuwubizi.

7 Ngase ngithi: Bheka, ngiyeza; encwadini esongwayo kulotshiwe ngami ukuthi:

8 Ngiyathanda ukwenza intando yakho, Nkulunkulu wami, nomthetho wakho usenhliziyweni yami.

9 Ngishumayelile ukulunga ebandleni elikhulu; bheka, angizivalanga izindebe zami; Jehova, wena uyakwazi.

10Ukulunga kwakho angikuthukusanga enhliziyweni yami; ngashumayela ukukholeka kwakho nensindiso yakho; umusa wakho neqiniso lakho angikufihlelanga ibandla elikhulu.

11 Wena Jehova ungangigodleli ububele bakho; umusa wakho neqiniso lakho makungilonde njalo.

[12] Não têm conta os males que me cercam; as minhas iniqüidades me alcançaram, tantas, que me impedem a vista; são mais numerosas que os cabelos de minha cabeça, e o coração me desfalece.

[13] Praza-te, SENHOR, em livrar-me; dá-te pressa, ó SENHOR, em socorrer-me.

[14] Sejam à uma envergonhados e cobertos de vexame os que me demandam a vida; tornem atrás e cubram-se de ignomínia os que se comprazem no meu mal.

[15] Sofram perturbação por causa da sua ignomínia os que dizem: Bem-feito! Bem-feito!

[16] Folguem e em ti se rejubilem todos os que te buscam; os que amam a tua salvação digam sempre: O SENHOR seja magnificado!

[17] Eu sou pobre e necessitado, porém o SENHOR cuida de mim; tu és o meu amparo e o meu libertador; não te detenhas, ó Deus meu!

Salmo 41

A calúnia dos inimigos e o socorro de Deus

Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Bem-aventurado o que acode ao necessitado; o SENHOR o livra no dia do mal.

[2] O SENHOR o protege, preserva-lhe a vida e o faz feliz na terra; não o entrega à discrição dos seus inimigos.

[12] Ngokuba izinhlupheko ezingenakubalwa zingihaqile, iziphambeko zami zingificile, angaze ngaba nakubona; ziningi kunezinwele zekhanda lami; inhliziyo yami ingishiyile.

[13]Makuthandeke kuwe Jehova ukuba ungikhulule; Jehova, mawuphuthume ungisize.

[14] Mabajabhe, babe namahloni bonke abafuna umphefumulo wami ukuba bawuhlwithe; abafisa ukulimala kwami mababuyiselwe emuva, bajabhiswe.

[15]Mabashaqeke ngenxa yehlazo labo abathi kimi: Ashila, ashila!

[16] Mabethabe, bajabule kuwe bonke abakufunayo; abathanda insindiso yakho mabasho njalo, bathi: Makadunyiswe uJehova.

[17]Noma ngihlupheka, ngimpofu, iNkosi iyanginaka; wena ungumsizi wami noMsindisi wami; Nkulunkulu wami, mawungalibali.

AmaHubo 41

Ukukhala ngokuhlupheka nokuzingelwa

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

[1] Ubusisiwe onakekela ohluphekayo; uJehova uyakumsindisa osukwini olubi.

[2] UJehova uyakumlondoloza, amphilise; uyakubusiswa emhlabeni; awuyikumnikela entandweni yezitha zakhe.

[3] O SENHOR o assiste no leito da enfermidade; na doença, tu lhe afofas a cama.

[4] Disse eu: compadece-te de mim, SENHOR; sara a minha alma, porque pequei contra ti.

[5] Os meus inimigos falam mal de mim: Quando morrerá e lhe perecerá o nome?

[6] Se algum deles me vem visitar, diz coisas vãs, amontoando no coração malícias; em saindo, é disso que fala.

[7] De mim rosnam à uma todos os que me odeiam; engendram males contra mim, dizendo:

[8] Peste maligna deu nele, e: Caiu de cama, já não há de levantar-se.

[9] Até o meu amigo íntimo, em quem eu confiava, que comia do meu pão, levantou contra mim o calcanhar.

[10] Tu, porém, SENHOR, compadece-te de mim e levanta-me, para que eu lhes pague segundo merecem.

[11] Com isto conheço que tu te agradas de mim: em não triunfar contra mim o meu inimigo.

[12] Quanto a mim, tu me susténs na minha integridade e me pões à tua presença para sempre.

[13] Bendito seja o SENHOR, Deus de Israel, da eternidade para a eternidade! Amém e amém!

Livro II

Salmos 42 - 72

[3] UJehova uyakumphasa ecansini egula; wena uyakuguqula ukhukho lwakhe ekuguleni kwakhe.

[4]Mina ngithi: Jehova, ngihawukele, uphulukise umphefumulo wami, ngokuba ngonile kuwe.

[5]Izitha zami zikhuluma okubi ngami, zithi: Uzakufa nini, igama lakhe lichitheke, na?

[6]Nalapho kuza ozongibona, ukhuluma amanga; inhliziyo yakhe izibuthela ukonakala, abesephuma akhulume ngakho.

[7] Bonke abangizondayo banyenyezelana ngami: bangisongozela okubi, bathi:

[8] Into embi inamathele kuye; olele phansi kasayikululama.

[9] Yebo, nomhlobo wami ebengimethemba, obedla isinkwa sami, ungiphakamisele isithende sakhe.

[10]Kepha wena Jehova, ngihawukele, ungilulamise, ukuze ngibaphindisele.

[11]Ngalokho ngiyazi ukuthi uyangithanda, ngokuba isitha sami asihalalisi phezu kwami.

[12] Mina uyangimisa ebuqothweni bami; uyangibeka phambi kobuso bakho kuze kube phakade.

[13]Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, kusukela phakade kuze kube phakade. Amen, Amen.

Incwadi Yesibili

Amahubo 42 -- 72

Salmo 42

A alma anela por Deus
Ao mestre de canto. Salmo didático dos filhos de Corá

1 Como suspira a corça pelas correntes das águas, assim, por ti, ó Deus, suspira a minha alma.

2 A minha alma tem sede de Deus, do Deus vivo; quando irei e me verei perante a face de Deus?

3 As minhas lágrimas têm sido o meu alimento dia e noite, enquanto me dizem continuamente: O teu Deus, onde está?

4 Lembro-me destas coisas – e dentro de mim se me derrama a alma -, de como passava eu com a multidão de povo e os guiava em procissão à Casa de Deus, entre gritos de alegria e louvor, multidão em festa.

5 Por que estás abatida, ó minha alma? Por que te perturbas dentro de mim? Espera em Deus, pois ainda o louvarei, a ele, meu auxílio e Deus meu.

6 Sinto abatida dentro de mim a minha alma; lembro-me, portanto, de ti, nas terras do Jordão, e no monte Hermom, e no outeiro de Mizar.

7 Um abismo chama outro abismo, ao fragor das tuas catadupas; todas as tuas ondas e vagas passaram sobre mim.

8 Contudo, o SENHOR, durante o dia, me concede a sua misericórdia, e à noite

AmaHubo 42

Ukulangazelela uNkulunkulu nendlu yakhe
Kumholi wokuhlabelela. IMaskili lamadodana kaKora.

1 Njengendluzele ilangazelela amanzi emifula, kanjalo umphefumulo wami ulangazelela wena Nkulunkulu.

2 Umphefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo; ngiyakufika nini, ngibonakale phambi kukaNkulunkulu, na?

3 Izinyembezi zami zingukudla kwami imini nobusuku, ngokuba usuku lonke bathi kimi: Uphi uNkulunkulu wakho na?

4 Ngiyakukhumbula lokhu, ngithulule umphefumulo wami phakathi kwami, njengalokho ngangihamba esixukwini ngiya naso endlini kaNkulunkulu ngenhlokomo yokwethaba nokubonga, ibandla ligubha umkhosi.

5 Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? Methembe uNkulunkulu, ngokuba ngisezakumdumisa ngokusindisa kobuso bakhe.

6 Nkulunkulu wami, umphefumulo wami udangele phakathi kwami; ngakho-ke ngikhumbula wena ezweni laseJordani, nakwelamaHermoni, nasentabeni yaseMisari.

7 Utwa lubizana notwa ekuhlokomeni kwezimpophoma zakho; onke amadlambi akho namaza akho eqile phezu kwami.

8 Emini uJehova uyaleza umusa wakhe; ebusuku isihlabelelo sakhe sikimi,

comigo está o seu cântico, uma oração ao Deus da minha vida.

9 Digo a Deus, minha rocha: por que te olvidaste de mim? Por que hei de andar eu lamentando sob a opressão dos meus inimigos?

10 Esmigalham-se-me os ossos, quando os meus adversários me insultam, dizendo e dizendo: O teu Deus, onde está?

11 Por que estás abatida, ó minha alma? Por que te perturbas dentro de mim? Espera em Deus, pois ainda o louvarei, a ele, meu auxílio e Deus meu.

Salmo 43

Desejos pelo santuário

1 Faze-me justiça, ó Deus, e pleiteia a minha causa contra a nação contenciosa; livra-me do homem fraudulento e injusto.

2 Pois tu és o Deus da minha fortaleza. Por que me rejeitas? Por que hei de andar eu lamentando sob a opressão dos meus inimigos?

3 Envia a tua luz e a tua verdade, para que me guiem e me levem ao teu santo monte e aos teus tabernáculos.

4 Então, irei ao altar de Deus, de Deus, que é a minha grande alegria; ao som da harpa eu te louvarei, ó Deus, Deus meu.

ngikhuleke kuNkulunkulu wokuphila kwami.

9 Ngizakuthi kuNkulunkulu, iDwala lami: Ungikhohlweleni na? Ngihambelani ngilila, ngicindezelwe yisitha, na?

10 Kunjengokuphohlozwa kwamathambo ami, nxa izitha zami zingiklolodela, zithi kimi usuku lonke: Uphi uNkulunkulu wakho na?

11 Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? Methembe uNkulunkulu, ngokuba ngisezakumdumisa yena oyinsindiso yobuso bami noNkulunkulu wami.

AmaHubo 43

Ukukhuleka kuNkulunkulu, umahluleli wezinto zonke

1 Ngahlulele, Nkulunkulu ungimele endabeni yami esizweni esingenamusa, ngikhulule kumuntu wenkohliso nongenakulunga.

2 Ngokuba wena Nkulunkulu uyisiphephelo sami; ungilahleleni na? Ngihambelani ngilila, ngicindezelwe yisitha, na?

3 Thuma ukukhanya kwakho neqiniso lakho, kungihole, kungiyise entabeni yakho engcwele nasezindlini zakho,

4 ngize ngifike kulo i-altare likaNkulunkulu, kuNkulunkulu wenjabulo yokwethaba kwami, ngikudumise ngehabhu, Nkulunkulu, Nkulunkulu wami.

[5] Por que estás abatida, ó minha alma? Por que te perturbas dentro de mim? Espera em Deus, pois ainda o louvarei, a ele, meu auxílio e Deus meu.

Salmo 44

Apelo por auxílio divino
Ao mestre de canto. Dos filhos de Corá. Salmo didático

[1] Ouvimos, ó Deus, com os próprios ouvidos; nossos pais nos têm contado o que outrora fizeste, em seus dias.

[2] Como por tuas próprias mãos desapossaste as nações e os estabeleceste; oprimiste os povos e aos pais deste largueza.

[3] Pois não foi por sua espada que possuíram a terra, nem foi o seu braço que lhes deu vitória, e sim a tua destra, e o teu braço, e o fulgor do teu rosto, porque te agradaste deles.

[4] Tu és o meu rei, ó Deus; ordena a vitória de Jacó.

[5] Com o teu auxílio, vencemos os nossos inimigos; em teu nome, calcamos aos pés os que se levantam contra nós.

[6] Não confio no meu arco, e não é a minha espada que me salva.

[7] Pois tu nos salvaste dos nossos inimigos e cobriste de vergonha os que nos odeiam.

[8] Em Deus, nos temos gloriado continuamente e para sempre louvaremos o teu nome.

[9] Agora, porém, tu nos lançaste fora, e nos expuseste à vergonha, e já não sais com os nossos exércitos.

[5] Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? ngisezakumdumisa yena oyinsindiso yobuso bami noNkulunkulu wami.

AmaHubo 44

Umkhuleko wabahlulwe yizitha
Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. IMaskili.

[1] Nkulunkulu, sizwile ngezindlebe zethu, okhokho besilandisa ngesenzo owasenzayo emihleni yabo, emihleni yasendulo.

[2] Nguwe owabaxosha abezizwe ngesandla sakho, kepha bona wabatshala; wazichitha izizwe, kepha bona wabandisa.

[3] Ngokuba abalidlanga izwe ngenkemba yabo, nengalo yabo ayibasindisanga; kepha kwaba yisandla sakho sokunene, nengalo yakho, nokukhanya kobuso bakho, ngokuba wawubathanda.

[4]Wena Nkulunkulu uyinkosi yami; yaleza ukusindiswa kukaJakobe.

[5] Ngawe sizakulahla phansi izitha zethu; ngegama lakho sizakunyathela abasivukelayo.

[6] Ngokuba angiwethembi umnsalo wami, nenkemba yami ayingisindisi;

[7]kepha nguwe owasisindisa ezitheni zethu, wajabhisa abasizondayo.

[8] Sizincoma ngoNkulunkulu usuku lonke; igama lakho siyalibonga kuze kube phakade. ***Sela***

[9] Nokho ususilahlile, wasijabhisa; awusaphumi nezimpi zethu.

[10] Tu nos fazes bater em retirada à vista dos nossos inimigos, e os que nos odeiam nos tomam por seu despojo.

[11] Entregaste-nos como ovelhas para o corte e nos espalhaste entre as nações.

[12] Vendes por um nada o teu povo e nada lucras com o seu preço.

[13] Tu nos fazes opróbrio dos nossos vizinhos, escárnio e zombaria aos que nos rodeiam.

[14] Pões-nos por ditado entre as nações, alvo de meneios de cabeça entre os povos.

[15] A minha ignomínia está sempre diante de mim; cobre-se de vergonha o meu rosto,

[16] ante os gritos do que afronta e blasfema, à vista do inimigo e do vingador.

[17] Tudo isso nos sobreveio; entretanto, não nos esquecemos de ti, nem fomos infiéis à tua aliança.

[18] Não tornou atrás o nosso coração, nem se desviaram os nossos passos dos teus caminhos,

[19] para nos esmagares onde vivem os chacais e nos envolveres com as sombras da morte.

[20] Se tivéssemos esquecido o nome do nosso Deus ou tivéssemos estendido as mãos a deus estranho,

[21] porventura, não o teria atinado Deus, ele, que conhece os segredos dos corações?

[22] Mas, por amor de ti, somos entregues à morte continuamente, somos

[10]Usihlehlisela emuva esitheni; abasizondayo bayaziphangela.

[11]Usinikezele ukudliwa njengezimvu, wasihlakaza phakathi kwabezizwe.

[12] Uthengisa ngesizwe sakho ngokuyize; awuzuzi lutho ngokubiza ngaso.

[13] Usenza isihlamba kubakhelwane bethu, inhlekiso nendumazo kwabasiphahlileyo.

[14]Usenza isaga kwabezizwe, banikine ikhanda phakathi kwabantu.

[15] Usuku lonke ukudunyazwa kwami kuphambi kwami, namahloni amboza ubuso bami

[16] ngenxa yoklolodayo nojivazayo, ngenxa yesitha nomphindiseli.

[17]Konke lokho kusehlele, kodwa asikukhohlwanga wena; asisaphulanga isivumelwano sakho.

[18]Inhliziyo yethu ayibuyelanga emuva; izinyathelo zethu aziphambukanga endleleni yakho,

[19]uze usiphahlaze endaweni yezimpungushe, usimboze ngethunzi lokufa.

[20]Uma ngabe sikhohliwe igama likaNkulunkulu wethu, sazelulela izandla zethu kunkulunkulu mumbe,

[21] uNkulunkulu ubengayikukuhlola na? Ngokuba yena uyazazi izimfihlakalo zenhliziyo.

[22] Yebo, ngenxa yakho sibulawa usuku lonke, siphathiswa okwezimvu zokuhlatshwa.

considerados como ovelhas para o matadouro.

23 Desperta! Por que dormes, SENHOR? Desperta! Não nos rejeites para sempre!

24 Por que escondes a face e te esqueces da nossa miséria e da nossa opressão?

25 Pois a nossa alma está abatida até ao pó, e o nosso corpo, como que pegado no chão.

26 Levanta-te para socorrer-nos e resgata-nos por amor da tua benignidade.

Salmo 45

O Ungido de Deus e a sua noiva

Ao mestre de canto, segundo a melodia “Os lírios”. Dos filhos de Corá. Salmo didático. Cântico de amor

1 De boas palavras transborda o meu coração. Ao Rei consagro o que compus; a minha língua é como a pena de habilidoso escritor.

2 Tu és o mais formoso dos filhos dos homens; nos teus lábios se extravasou a graça; por isso, Deus te abençoou para sempre.

3 Cinge a espada no teu flanco, herói; cinge a tua glória e a tua majestade!

4 E nessa majestade cavalga prosperamente, pela causa da verdade e da justiça; e a tua destra te ensinará proezas.

5 As tuas setas são agudas, penetram o coração dos inimigos do Rei; os povos caem submissos a ti.

23 Vuka, Nkosi! Ulaleleni na? Vuka, ungasilahli njalonjalo.

24 Ubufihlelani ubuso bakho, ukhohlwe ukuhlupheka nokucindezelwa kwethu, na?

25 Ngokuba umphefumulo wethu ukhothamele othulini; umzimba wethu unamathele emhlabathini.

26 Sukuma, usisize, usihlenge ngenxa yomusa wakho.

AmaHubo 45

Inkosi nomlobokazi wayo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Iminduze. Elamadodana kaKora. IMaskili. Igama lothando.

1 Inhliziyo yami iyachichima ngendaba enhle; ngikhuluma igama engiliqambe ngenkosi; ulimi lwami lulusiba loloba ngokushesha.

2 Umuhle wena kunabantwana babantu; ubuhle buthululelwe ezindebeni zakho; ngakho-ke uNkulunkulu ukubusisile kuze kube phakade.

3 Bophela inkemba yakho okhalweni lwakho wena qhawe, kube ngukuphakama kwakho nobukhosi bakho.

4 Hlahlameleka ebukhosini bakho, uqhubeke ngenxa yeqiniso nokuthobeka nokulunga; isandla sakho sokunene siyakukufundisa izinto ezesabekayo.

5 Imicibisholo yakho ibukhali, izizwe ziyawa phansi kwakho; isenhliziyweni yezitha zenkosi.

[6] O teu trono, ó Deus, é para todo o sempre; cetro de eqüidade é o cetro do teu reino.

[7] Amas a justiça e odeias a iniqüidade; por isso, Deus, o teu Deus, te ungiu com o óleo de alegria, como a nenhum dos teus companheiros.

[8] Todas as tuas vestes recendem a mirra, aloés e cássia; de palácios de marfim ressoam instrumentos de cordas que te alegram.

[9] Filhas de reis se encontram entre as tuas damas de honra; à tua direita está a rainha adornada de ouro finíssimo de Ofir.

[10] Ouve, filha; vê, dá atenção; esquece o teu povo e a casa de teu pai.

[11] Então, o Rei cobiçará a tua formosura; pois ele é o teu senhor; inclina-te perante ele.

[12] A ti virá a filha de Tiro trazendo donativos; os mais ricos do povo te pedirão favores.

[13] Toda formosura é a filha do Rei no interior do palácio; a sua vestidura é recamada de ouro.

[14] Em roupagens bordadas conduzem-na perante o Rei; as virgens, suas companheiras que a seguem, serão trazidas à tua presença.

[15] Serão dirigidas com alegria e regozijo; entrarão no palácio do Rei.

[6] Isihlalo sakho sobukhosi, Nkulunkulu, singesaphakade naphakade; intonga yobuqotho iyintonga yombuso wakho.

[7]Ukuthandile ukulunga, wakuzonda okubi: ngakho-ke uNkulunkulu, uNkulunkulu wakho, ukugcobile ngamafutha enjabulo ngokungaphezu kwabangane bakho.

[8]Zonke izingubo zakho ziqholiwe ngenhlaka, nenhlaba, nekasiya; ezindlini zobukhosi zophondo lwendlovu ukubethwa kwezingubhu zezintambo kukujabulisile.

[9]Amadodakazi amakhosi aphakathi kwabesifazane bakho abadumileyo; inkosikazi imi ngakwesokunene sakho, ihlobe igolide lase-Ofiri.

[10] Mawuzwe-ke, ndodakazi, uqaphele, ubeke indlebe yakho, ukhohlwe isizwe sakini nendlu kayihlo,

[11]yikhona inkosi izakubuthanda ubuhle bakho, ngokuba yona iyinkosi yakho, woyikhothamela.

[12] Indodakazi yaseTire, yebo, nabacebileyo babantu bancenga umusa wakho ngesipho.

[13]Indodakazi yenkosi inhle kakhulu, ilapho phakathi; ingubo yayo yalukiwe ngegolide.

[14]Iyiswa enkosini igqoke izingubo ezifekethisiweyo; izintombi ezingabangane bayo ziyayilandela; ziyiswa kuwe.

[15]Ziyiswa ngokujabula nangokwethaba, zingena endlini yenkosi.

[16] Em vez de teus pais, serão teus filhos, os quais farás príncipes por toda a terra.

[17] O teu nome, eu o farei celebrado de geração a geração, e, assim, os povos te louvarão para todo o sempre.

Salmo 46

Deus é o nosso refúgio e fortaleza

Ao mestre de canto. Dos filhos de Corá. Em voz de soprano. Cântico

[1] Deus é o nosso refúgio e fortaleza, socorro bem presente nas tribulações.

[2] Portanto, não temeremos ainda que a terra se transtorne e os montes se abalem no seio dos mares;

[3] ainda que as águas tumultuem e espumejem e na sua fúria os montes se estremeçam.

[4] Há um rio, cujas correntes alegram a cidade de Deus, o santuário das moradas do Altíssimo.

[5] Deus está no meio dela; jamais será abalada; Deus a ajudará desde antemanhã.

[6] Bramam nações, reinos se abalam; ele faz ouvir a sua voz, e a terra se dissolve.

[7] O SENHOR dos Exércitos está conosco; o Deus de Jacó é o nosso refúgio.

[8] Vinde, contemplai as obras do SENHOR, que assolações efetuou na terra.

[9] Ele põe termo à guerra até aos confins do mundo, quebra o arco e despedaça a lança; queima os carros no fogo.

[16] Amadodana akho ayakuba sesikhundleni sawoyihlo; uyakuwabeka abe yizikhulu emhlabeni wonke.

[17] Igama lakho ngiyakulenza likhunjulwe ezizukulwaneni zonke; ngakho-ke izizwe ziyakukubonga kuze kube phakade naphakade.

AmaHubo 46

INkosi yethu iyinqaba

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. Nge-Alamoti. Igama.

[1]UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu; ufunyaniswa elusizo impela ekuhluphekeni.

[2]Ngakho-ke asiyikwesaba nokuba kuguquka umhlaba, nezintaba zidilikela ekujuleni kolwandle,

[3] nokuba amanzi alo ehlokoma, ekhephuza, nezintaba zizamazama ngokukhukhumala kwalo. ***Sela***

[4] Ukhona umfula omanzi awo athokozisa umuzi kaNkulunkulu, indlu engcwele yoPhezukonke.

[5] UNkulunkulu uphakathi kwawo, awuyikuzanyazanyiswa; uNkulunkulu uyakuwusiza ngovivi lokusa.

[6]Izizwe ziyaxokozela; imibuso iyazamazama; uphumisela izwi lakhe, umhlaba uncibilike.

[7] UJehova Sebawoti unathi; uNkulunkulu kaJakobe uyinqaba yethu. ***Sela***

[8] Wozani nibone izenzo zikaJehova, izincithakalo azenzileyo emhlabeni.

[9] Uphelisa ukulwa kuze kube semikhawulweni yomhlaba; uyaphula

[10] Aquietai-vos e sabei que eu sou Deus; sou exaltado entre as nações, sou exaltado na terra.

[11] O SENHOR dos Exércitos está conosco; o Deus de Jacó é o nosso refúgio.

Salmo 47

Deus, o Rei da terra

Ao mestre de canto. Salmo dos filhos de Corá

[1] Batei palmas, todos os povos; celebrai a Deus com vozes de júbilo.

[2] Pois o SENHOR Altíssimo é tremendo, é o grande rei de toda a terra.

[3] Ele nos submeteu os povos e pôs sob os nossos pés as nações.

[4] Escolheu-nos a nossa herança, a glória de Jacó, a quem ele ama.

[5] Subiu Deus por entre aclamações, o SENHOR, ao som de trombeta.

[6] Salmodiai a Deus, cantai louvores; salmodiai ao nosso Rei, cantai louvores.

[7] Deus é o Rei de toda a terra; salmodiai com harmonioso cântico.

[8] Deus reina sobre as nações; Deus se assenta no seu santo trono.

[9] Os príncipes dos povos se reúnem, o povo do Deus de Abraão, porque a Deus pertencem os escudos da terra; ele se exaltou gloriosamente.

umnsalo, anqume umkhonto, izinqola zempi azishise ngomlilo.

[10] Thulani, niqonde ukuthi mina nginguNkulunkulu; ngiyakuphakama phakathi kwabezizwe, ngiphakame emhlabeni.

[11]UJehova Sebawoti unathi; uNkulunkulu kaJakobe uyinqaba yethu. ***Sela***

AmaHubo 47

UNkulunkulu ungumbusi wezinto zonke

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. Ihubo.

[1] Shayani izandla, zizwe zonke; hlokomani kuNkulunkulu ngezwi lokuhalalisa.

[2] Ngokuba uJehova oPhezukonke uyesabeka; uyinkosi enkulu phezu komhlaba wonke.

[3] Wathobisa abantu phansi kwethu, nezizwe phansi kwezinyawo zethu.

[4]Wasikhethela ifa lethu, udumo lukaJakobe amthandayo. ***Sela***

[5] UNkulunkulu wenyukile ngokuhlokoma, uJehova ngokukhala kwecilongo.

[6]Hubelani uNkulunkulu, hubani! Hubelani iNkosi yethu, hubani!

[7]Ngokuba uNkulunkulu uyinkosi yomhlaba wonke; hubani ihubo!

[8] UNkulunkulu uyabusa izizwe; uNkulunkulu uhlezi esihlalweni sakhe esingcwele sobukhosi.

[9] Izikhulu zabantu zibuthene, zibe yisizwe sikaNkulunkulu ka-Abrahama, ngokuba izihlangu zomhlaba zingezikaNkulunkulu; uphakeme kakhulu.

Salmo 48

A cidade de Deus
Cântico. Salmo dos filhos de Corá

[1] Grande é o SENHOR e mui digno de ser louvado, na cidade do nosso Deus.

[2] Seu santo monte, belo e sobranceiro, é a alegria de toda a terra; o monte Sião, para os lados do Norte, a cidade do grande Rei.

[3] Nos palácios dela, Deus se faz conhecer como alto refúgio.

[4] Por isso, eis que os reis se coligaram e juntos sumiram-se;

[5] bastou-lhes vê-lo, e se espantaram, tomaram-se de assombro e fugiram apressados.

[6] O terror ali os venceu, e sentiram dores como de parturiente.

[7] Com vento oriental destruíste as naus de Társis.

[8] Como temos ouvido dizer, assim o vimos na cidade do SENHOR dos Exércitos, na cidade do nosso Deus. Deus a estabelece para sempre.

[9] Pensamos, ó Deus, na tua misericórdia no meio do teu templo.

[10] Como o teu nome, ó Deus, assim o teu louvor se estende até aos confins da terra; a tua destra está cheia de justiça.

[11] Alegre-se o monte Sião, exultem as filhas de Judá, por causa dos teus juízos.

AmaHubo 48

Ngobuhle bomuzi kaNkulunkulu waseSiyoni
Igama. Ihubo lamadodana kaKora.

[1] Mkhulu uJehova, udunyiswa kakhulu emzini kaNkulunkulu wethu entabeni yakhe engcwele.

[2] Inhle ngokuphakama, ingukuthokoza komhlaba wonke intaba yaseSiyoni emaceleni asenyakatho, umuzi weNkosi enkulu.

[3] UNkulunkulu uyaziwa ezindlini zawo zobukhosi ukuthi uyinqaba.

[4] Ngokuba bheka, amakhosi abuthana; aqhubeka kanyekanye.

[5]Abona, ayesemangala; ashaywa luvalo, aphaphatheka.

[6]Ehlelwa lapho ngukuthuthumela, yivuso njengakobelethayo.

[7] Ngomoya wasempumalanga waphula imikhumbi yaseTharishishi.

[8]Njengalokho sizwile, kanjalo sikubonile emzini kaJehova Sebawoti, emzini kaNkulunkulu wethu; uNkulunkulu uyakuwumisa kuze kube phakade. ***Sela***

[9]Siyazindla ngomusa wakho, Jehova, siphakathi ethempelini lakho.

[10]Njengalo igama lakho, Nkulunkulu, kunjalo ukubongwa kwakho kuze kube semikhawulweni yomhlaba; isandla sakho sokunene sigcwele ukulunga.

[11]Mayijabule intaba yaseSiyoni, kwethabe amadodakazi akwaJuda ngenxa yezahlulelo zakho.

12 Percorrei a Sião, rodeai-a toda, contai-lhe as torres;
13 notai bem os seus baluartes, observai os seus palácios, para narrardes às gerações vindouras
14 que este é Deus, o nosso Deus para todo o sempre; ele será nosso guia até à morte.

12Zungezani iSiyoni, nilikake, nibale imibhoshongo yalo.
13Qaphelani izindonga zalo, nidabule izindlu zalo zobukhosi, ukuze nilandisele isizukulwane esizayo.
14Ngokuba lo Nkulunkulu, unguNkulunkulu wethu phakade naphakade; uzakusihola kuze kube sekufeni.

Salmo 49

A vaidade do homem

Ao mestre de canto. Salmo dos filhos de Corá

1 Povos todos, escutai isto; dai ouvidos, moradores todos da terra,
2 tanto plebeus como os de fina estirpe, todos juntamente, ricos e pobres.
3 Os meus lábios falarão sabedoria, e o meu coração terá pensamentos judiciosos.
4 Inclinarei os ouvidos a uma parábola, decifrarei o meu enigma ao som da harpa.
5 Por que hei de eu temer nos dias da tribulação, quando me salteia a iniqüidade dos que me perseguem,
6 dos que confiam nos seus bens e na sua muita riqueza se gloriam?
7 Ao irmão, verdadeiramente, ninguém o pode remir, nem pagar por ele a Deus o seu resgate
8 (Pois a redenção da alma deles é caríssima, e cessará a tentativa para sempre.),
9 para que continue a viver perpetuamente e não veja a cova;

AmaHubo 49

Ubuze benhlanhla yababi

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. Ihubo.

1Yizwani lokhu nonke nina bantu; bekani indlebe nina nonke enakhileyo ezweni,
2abantukazana nezikhulu, abacebileyo nabampofu.
3Umlomo wami uzakukhuluma ukuhlakanipha, ukuzindla kwenhliziyo yami kuzakuba ngokokuqonda.
4 Ngizakubeka indlebe yami kuso isaga, ngiphenye imfumbe yami ngehabhu.
5Bengizakwesabelani ezinsukwini ezimbi, lapha ububi babangizingelayo bungihaqa,
6labo abathemba imfuyo yabo bezigabisa ngomcebo wabo omkhulu, na?
7Umuntu angemhlenge umfowabo, angemnike uNkulunkulu ihlawulo ngaye.
8Ngokuba ukuhlengwa komphefumulo wabo kubiza kakhulu; akunakuphela nanini
9ukuba aphile njalo, angaboni ukubola.

[10] porquanto vê-se morrerem os sábios e perecerem tanto o estulto como o inepto, os quais deixam a outros as suas riquezas.

[11] O seu pensamento íntimo é que as suas casas serão perpétuas e, as suas moradas, para todas as gerações; chegam a dar seu próprio nome às suas terras.

[12] Todavia, o homem não permanece em sua ostentação; é, antes, como os animais, que perecem.

[13] Tal proceder é estultícia deles; assim mesmo os seus seguidores aplaudem o que eles dizem.

[14] Como ovelhas são postos na sepultura; a morte é o seu pastor; eles descem diretamente para a cova, onde a sua formosura se consome; a sepultura é o lugar em que habitam.

[15] Mas Deus remirá a minha alma do poder da morte, pois ele me tomará para si.

[16] Não temas, quando alguém se enriquecer, quando avultar a glória de sua casa;

[17] pois, em morrendo, nada levará consigo, a sua glória não o acompanhará.

[18] Ainda que durante a vida ele se tenha lisonjeado, e ainda que o louvem quando faz o bem a si mesmo,

[19] irá ter com a geração de seus pais, os quais já não verão a luz.

[10] Qha, uyakubona ukuthi abahlakaniphileyo bayafa nokuthi isiwula kanye nesiphukuphuku ziyabhubha, imfuyo yabo bayishiyele abanye.

[11]Ukucabanga kwabo kuthi izindlu zabo zizakuma kuze kube phakade, nemizi yabo ezizukulwaneni ngezizukulwane; amazwe abo bawabiza ngamagama abo.

[12] Kepha umuntu, nokuba enodumo, akayikuma; ufana nezilwane ezibhubhayo.

[13]Le ndlela yabo ingubuwula babo, balandelwa ngabavumela umlomo wabo. ***Sela***

[14]Baqhutshelwa endaweni yabafileyo njengezimvu; ukufa kuyakubalusa, abaqotho babuse phezu kwabo ngakusasa, isimo sabo siqedwe yindawo yabafileyo, bangabe besaba nandlu.

[15]Kepha uNkulunkulu uyakuwukhulula umphefumulo wami esandleni sendawo yabafileyo, ngokuba uyakungamukela. ***Sela***

[16] Ungesabi, nxa umuntu eceba, nxa ubukhosi bendlu yakhe banda.

[17] Ngokuba ekufeni kwakhe akayikuphatha lutho; ubukhosi bakhe abuyikwehla naye.

[18]Noma ebusisa umphefumulo wakhe esaphila, futhi abantu bekudumisa, ngokuba uzondle kahle,

[19]nokho uyakuya esizukulwaneni sawoyise; abayikukubona ukukhanya naphakade.

[20] O homem, revestido de honrarias, mas sem entendimento, é, antes, como os animais, que perecem.

[20]Umuntu onodumo engenakuqonda unjengezilwane ezibhubhayo.

Salmo 50

A essência do culto a Deus
Salmo de Asafe

[1] Fala o Poderoso, o SENHOR Deus, e chama a terra desde o Levante até ao Poente.

[2] Desde Sião, excelência de formosura, resplandece Deus.

[3] Vem o nosso Deus e não guarda silêncio; perante ele arde um fogo devorador, ao seu redor esbraveja grande tormenta.

[4] Intima os céus lá em cima e a terra, para julgar o seu povo.

[5] Congregai os meus santos, os que comigo fizeram aliança por meio de sacrifícios.

[6] Os céus anunciam a sua justiça, porque é o próprio Deus que julga.

[7] Escuta, povo meu, e eu falarei; ó Israel, e eu testemunharei contra ti. Eu sou Deus, o teu Deus.

[8] Não te repreendo pelos teus sacrifícios, nem pelos teus holocaustos continuamente perante mim.

[9] De tua casa não aceitarei novilhos, nem bodes, dos teus apriscos.

[10] Pois são meus todos os animais do bosque e as alimárias aos milhares sobre as montanhas.

AmaHubo 50

Ukukhonza uNkulunkulu ngeqiniso
Ihubo lika-Asafa.

[1]UNkulunkulu uMninimandla onke, uJehova, uyakhuluma, ubiza umhlaba kusukela ekuphumeni kwelanga kuze kube sekushoneni kwalo.

[2] ESiyoni eliphelele ebuhleni uNkulunkulu uqhamile ekukhanyeni.

[3] UNkulunkulu wethu uyeza, akayikuthula; umlilo udla phambi kwakhe; uphahlwe yisivunguvungu esikhulu.

[4] Ubiza izulu ngaphezulu kanye nomhlaba ukuba ahlulele isizwe sakhe:

[5] Buthelani kimi abangcwele bami abenza isivumelwano nami ngomhlatshelo.

[6]Izulu lishumayela ukulunga kwakhe, ngokuba uNkulunkulu ungumahluleli. ***Sela***

[7] Yizwa, sizwe sami, ngiyakukhuluma; Israyeli, ngizakufakaza kuwe ukuthi: NginguNkulunkulu, uNkulunkulu wakho.

[8]Angiyikukujezisa ngenxa yemihlatshelo yakho; iminikelo yakho yokushiswa iphambi kwami njalo.

[9]Angiyikuthatha nkunzi endlini yakho nampongo ezibayeni zakho.

[10]Ngokuba zingezami zonke izilwane zehlathi, nezinkomo zasezintabeni eziyizinkulungwane.

[11] Conheço todas as aves dos montes, e são meus todos os animais que pululam no campo.

[12] Se eu tivesse fome, não to diria, pois o mundo é meu e quanto nele se contém.

[13] Acaso, como eu carne de touros? Ou bebo sangue de cabritos?

[14] Oferece a Deus sacrifício de ações de graças e cumpre os teus votos para com o Altíssimo;

[15] invoca-me no dia da angústia; eu te livrarei, e tu me glorificarás.

[16] Mas ao ímpio diz Deus: De que te serve repetires os meus preceitos e teres nos lábios a minha aliança,

[17] uma vez que aborreces a disciplina e rejeitas as minhas palavras?

[18] Se vês um ladrão, tu te comprazes nele e aos adúlteros te associas.

[19] Soltas a boca para o mal, e a tua língua trama enganos.

[20] Sentas-te para falar contra teu irmão e difamas o filho de tua mãe.

[21] Tens feito estas coisas, e eu me calei; pensavas que eu era teu igual; mas eu te argüirei e porei tudo à tua vista.

[22] Considerai, pois, nisto, vós que vos esqueceis de Deus, para que não vos despedace, sem haver quem vos livre.

[23] O que me oferece sacrifício de ações de graças, esse me glorificará; e ao que prepara o seu caminho, dar-lhe-ei que veja a salvação de Deus.

[11]Ngiyazazi zonke izinyoni zasezintabeni, nezilwane zasendle zaziwa yimi.

[12] Uma bengilambile, bengingekutshele wena, ngokuba ungowami umhlaba wonke nokugcwala kwawo.

[13] Ngiyakudla yini inyama yezinkunzi, ngiphuze igazi lezimpongo, na?

[14] Nikela kuNkulunkulu umnikelo wokubonga, uzigcwalise izithembiso zakho koPhezukonke;

[15] ngibize ngosuku lwenhlupheko; ngiyakukukhulula, wena uyakungidumisa.

[16] Kepha komubi uNkulunkulu uthi: Yini ukuba ushumayele izimiso zami, uphathe isivumelwano sami ngomlomo wakho,

[17]ingani uyazonda ukuqondiswa, amazwi ami uwalahla emva kwakho, na?

[18] Uma ubona isela, uvumelana nalo; neziphingi uhlanganyela nazo.

[19]Umlomo wakho uwuyekela ebubini; ulimi lwakho luqamba inkohliso.

[20]Uhlala uhleba umfowenu; unyevuza indodana kanyoko.

[21]Lokho ukwenzile, ngathula; ushaye sengathi nginjengawe; ngizakukulaya, ngikubeke phambi kwamehlo akho.

[22] Qaphelani lokho nina enikhohlwa uNkulunkulu, funa nginidwengule, kungabikho osindisayo.

[23] Onikela ngomnikelo wokubonga uyangidumisa; oqaphela indlela yakhe ngiyakumbonisa insindiso kaNkulunkulu.

Salmo 51

Confissão e arrependimento

Ao mestre de canto. Salmo de Davi, quando o profeta Natã veio ter com ele, depois de haver ele possuído Bate-Seba
2 Sm 12.1-15

[1] Compadece-te de mim, ó Deus, segundo a tua benignidade; e, segundo a multidão das tuas misericórdias, apaga as minhas transgressões.

[2] Lava-me completamente da minha iniqüidade e purifica-me do meu pecado.

[3] Pois eu conheço as minhas transgressões, e o meu pecado está sempre diante de mim.

[4] Pequei contra ti, contra ti somente, e fiz o que é mau perante os teus olhos, de maneira que serás tido por justo no teu falar e puro no teu julgar.

[5] Eu nasci na iniqüidade, e em pecado me concebeu minha mãe.

[6] Eis que te comprazes na verdade no íntimo e no recôndito me fazes conhecer a sabedoria.

[7] Purifica-me com hissopo, e ficarei limpo; lava-me, e ficarei mais alvo que a neve.

[8] Faze-me ouvir júbilo e alegria, para que exultem os ossos que esmagaste.

[9] Esconde o rosto dos meus pecados e apaga todas as minhas iniqüidades.

[10] Cria em mim, ó Deus, um coração puro e renova dentro de mim um espírito inabalável.

[11] Não me repulses da tua presença, nem me retires o teu Santo Espírito.

AmaHubo 51

Umkhuleko wowonileyo ebika isono, ecela umusa kuNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide ekufikeni komprofethi uNathani kuye emva kokuya kwakhe kuBati Sheba.

[1]Ngihawukele, Nkulunkulu, ngokomusa wakho; yesula iziphambeko zami ngokobubele bakho obukhulu.

[2]Ngigezisise ebubini bami, ungihlanze esonweni sami.

[3]Ngokuba ngiyazazi iziphambeko zami; isono sami siphambi kwami njalo.

[4] Ngonile kuwe wena wedwa, ngakwenza okubi emehlweni akho, ukuze uthiwe ulungile ekukhulumeni kwakho, uchache ekwahluleleni kwakho.

[5] Bheka, ngazalelwa ebubini, umame wangithabatha esonweni.

[6]Bheka, uthanda iqiniso ngaphakathi enhliziyweni; wongifundisa ukuhlakanipha ekujuleni kwenhliziyo.

[7] Ngihlanze ngehisopi, ngihlambuluke; ngigeze, ngibe mhlophe kuneqhwa.

[8]Ngizwise intokozo nenjabulo, ukuze ethabe amathambo owachobozileyo.

[9]Fihla ubuso bakho ezonweni zami, wesule zonke izenzo zami ezimbi.

[10] Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo, uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami.

[11]Ungangilahli ebusweni bakho, ungangemuki uMoya wakho oNgcwele.

[12] Restitui-me a alegria da tua salvação e sustenta-me com um espírito voluntário.
[13] Então, ensinarei aos transgressores os teus caminhos, e os pecadores se converterão a ti.
[14] Livra-me dos crimes de sangue, ó Deus, Deus da minha salvação, e a minha língua exaltará a tua justiça.
[15] Abre, SENHOR, os meus lábios, e a minha boca manifestará os teus louvores.
[16] Pois não te comprazes em sacrifícios; do contrário, eu tos daria; e não te agradas de holocaustos.
[17] Sacrifícios agradáveis a Deus são o espírito quebrantado; coração compungido e contrito, não o desprezarás, ó Deus.
[18] Faze bem a Sião, segundo a tua boa vontade; edifica os muros de Jerusalém.
[19] Então, te agradarás dos sacrifícios de justiça, dos holocaustos e das ofertas queimadas; e sobre o teu altar se oferecerão novilhos.

Salmo 52

Condenação do ímpio

Ao mestre de canto. Salmo didático de Davi, quando Doegue, edomita, fez saber a Saul que Davi entrara na casa de Abimeleque

1 Sm 22.9-10

[1] Por que te glorias na maldade, ó homem poderoso? Pois a bondade de Deus dura para sempre.
[2] A tua língua urde planos de destruição; é qual navalha afiada, ó praticadora de enganos!

[12] Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho, ungiphase ngomoya ovumayo.
[13]Khona ngiyakufundisa abaphambukayo izindlela zakho; nezoni ziyakuphendukela kuwe.
[14] Ngikhulule ecaleni legazi, Nkulunkulu, Nkulunkulu wensindiso yami. Khona ulimi lwami luyakuhubela ukulunga kwakho.
[15]Nkosi, vula izindebe zami, ukuze umlomo wami ulande ngodumo lwakho.
[16] Ngokuba awuwuthandi umhlatshelo; noma bengizakukunika umnikelo wokushiswa, ubungayikuthokoza ngawo.
[17] Iminikelo kaNkulunkulu ingumoya owaphukileyo; inhliziyo eyaphukileyo nedabukileyo, Nkulunkulu, awuyikuyidelela.
[18]Lenzele iSiyoni okuhle ngokomusa wakho, uzakhe izingange zaseJerusalema.
[19] Khona uyakuyijabulela iminikelo yokulunga eshiswayo neshiswa yonke; khona bayakunikela ngezinkunzi phezu kwe-altare lakho.

AmaHubo 52

Ukukhala ngobubi bomkhapheli ozigabisayo

Kumholi wokuhlabelela. IMaskili likaDavide ekufikeni kukaDowegi wakwa-Edomi emazisa uSawule, ethi kuye: UDavide ufikile endlini ka-Ahimeleki.

[1]Uzigabiselani ngokubi wena siqhwaga na? Umusa kaNkulunkulu umi njalo.
[2] Ulimi lwakho lusongoza okubi njengempuco eloliweyo, wena owenza amacebo.

[3] Amas o mal antes que o bem; preferes mentir a falar retamente.
[4] Amas todas as palavras devoradoras, ó língua fraudulenta!

[5] Também Deus te destruirá para sempre; há de arrebatar-te e arrancar-te da tua tenda e te extirpará da terra dos viventes.

[6] Os justos hão de ver tudo isso, temerão e se rirão dele, dizendo:
[7] Eis o homem que não fazia de Deus a sua fortaleza; antes, confiava na abundância dos seus próprios bens e na sua perversidade se fortalecia.
[8] Quanto a mim, porém, sou como a oliveira verdejante, na Casa de Deus; confio na misericórdia de Deus para todo o sempre.

[9] Dar-te-ei graças para sempre, porque assim o fizeste; na presença dos teus fiéis, esperarei no teu nome, porque é bom.

[3]Uthanda okubi kunokuhle, namanga kunokukhuluma ukulunga. ***Sela***
[4]Uthanda onke amazwi okubhubhisa wena lulimi lwenkohliso.
[5]Ngakho-ke uNkulunkulu uyakukubhidliza kuze kube phakade; uyakukubamba, akukhiphe etendeni lakho, akusiphule ezweni labaphilayo. ***Sela***
[6] Abalungileyo bayakukubona, besabe; bayakumhleka, bathi:
[7] Bheka, nasi isiqhwaga esingamenzanga uNkulunkulu abe yinqaba yaso, kepha sethemba ingcebo yaso enkulu, siziqinisa ebubini baso.
[8] Kepha mina nginjengomnqumo oluhlaza endlini kaNkulunkulu; ngithemba umusa kaNkulunkulu njalonjalo kuze kube phakade naphakade.
[9]Ngizakukudumisa kuze kube phakade, ngokuba ukwenzile; ngizakulindela igama lakho, ngokuba lihle phambi kwabangcwele bakho.

Salmo 53

A corrupção do pecador e sua redenção

Salmo 14.1-7

Ao mestre de canto. Salmo didático de Davi, para cítara

[1] Diz o insensato no seu coração: Não há Deus. Corrompem-se e praticam iniqüidade; já não há quem faça o bem.

[2] Do céu, olha Deus para os filhos dos homens, para ver se há quem entenda, se há quem busque a Deus.

AmaHubo 53

Ukukhala ngobuwula nobubi babantu

Kumholi wokuhlabelela. NgeMahalati. IMaskili likaDavide.

[1] Isiwula sithi enhliziyweni yaso: Akakho uNkulunkulu, iziphambeko zabo zimbi, ziyanengeka; akakho owenza okuhle.
[2] UNkulunkulu esezulwini uyababheka abantwana babantu ukubona uma kukhona yini onokuqonda, ofuna uNkulunkulu.

[3] Todos se extraviaram e juntamente se corromperam; não há quem faça o bem, não há nem sequer um.
[4] Acaso, não entendem os obreiros da iniqüidade? Esses, que devoram o meu povo como quem come pão? Eles não invocam a Deus.

[5] Tomam-se de grande pavor, onde não há a quem temer; porque Deus dispersa os ossos daquele que te sitia; tu os envergonhas, porque Deus os rejeita.

[6] Quem me dera que de Sião viesse já o livramento de Israel! Quando Deus restaurar a sorte do seu povo, então, exultará Jacó, e Israel se alegrará.

Salmo 54

Apelo para o socorro divino

Ao mestre de canto. Salmo didático. Para instrumentos de cordas. De Davi, quando os zifeus vieram dizer a Saul: Não está Davi homiziado entre nós?
1 Sm 23.19; 26.1

[1] Ó Deus, salva-me, pelo teu nome, e faze-me justiça, pelo teu poder.
[2] Escuta, ó Deus, a minha oração, dá ouvidos às palavras da minha boca.
[3] Pois contra mim se levantam os insolentes, e os violentos procuram tirar-me a vida; não têm Deus diante de si.

[4] Eis que Deus é o meu ajudador, o SENHOR é quem me sustenta a vida.

[5] Ele retribuirá o mal aos meus opressores; por tua fidelidade dá cabo deles.

[3]Baphambukile bonke, bonakele bonke; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa.

[4]Abanakwazi yini abenza okubi, abadla abantu bami njengalokhu bedla isinkwa, bengakhuleki kuNkulunkulu.

[5]Besaba nokwesaba, lapho kungekho okwesabisayo; ngokuba uNkulunkulu wasakaza amathambo akhe owamisa ngakuwe; wena ubajabhisile, ngokuba uNkulunkulu ubalahlile.
[6] Sengathi kungavela ukusindiswa kuka-Israyeli eSiyoni. Kuyakuthi lapho uNkulunkulu eguqula ukuthunjwa kwabantu bakhe, uJakobe ethabe, u-Israyeli ajabule.

AmaHubo 54

Umkhuleko wocela ukusindiswa ezitheni

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. IMaskili likaDavide ekufikeni kwabaseZifi bethi kuSawule: UDavide ucashile kithina.

[1] Nkulunkulu, ngisindise ngegama lakho, ngahlulele ngamandla akho.
[2]Nkulunkulu, yizwa umkhuleko wami, ubeke indlebe emazwini omlomo wami.
[3] Ngokuba abafo bangivukele; izidlova zifuna umphefumulo wami; azimbekile uNkulunkulu phambi kwazo. ***Sela***
[4]Bheka, uNkulunkulu ungumsizi wami; iNkosi ikubo abaphasa umphefumulo wami.
[5]Uyabuyisela okubi ezitheni zami; zibhubhise ngokweqiniso lakho.

6 Oferecer-te-ei voluntariamente sacrifícios; louvarei o teu nome, ó SENHOR, porque é bom.

7 Pois me livrou de todas as tribulações; e os meus olhos se enchem com a ruína dos meus inimigos.

6Ngizakunikela kuwe ngesihle; ngizakulibonga igama lakho, Jehova, ngokuba lihle.

7 Ngokuba ungikhululile ekuhluphekeni konke; neso lami libuka izitha zami, lidele.

Salmo 55

Que os traidores sejam destruídos

Ao mestre de canto. Para instrumentos de cordas. Salmo didático de Davi

1 Dá ouvidos, ó Deus, à minha oração; não te escondas da minha súplica.

2 Atende-me e responde-me; sinto-me perplexo em minha queixa e ando perturbado,

3 por causa do clamor do inimigo e da opressão do ímpio; pois sobre mim lançam calamidade e furiosamente me hostilizam.

4 Estremece-me no peito o coração, terrores de morte me salteiam;

5 temor e tremor me sobrevêm, e o horror se apodera de mim.

6 Então, disse eu: quem me dera asas como de pomba! Voaria e acharia pouso.

7 Eis que fugiria para longe e ficaria no deserto.

8 Dar-me-ia pressa em abrigar-me do vendaval e da procela.

9 Destrói, SENHOR, e confunde os seus conselhos, porque vejo violência e contenda na cidade.

10 Dia e noite giram nas suas muralhas, e, muros a dentro, campeia a perversidade e a malícia;

AmaHubo 55

Umkhuleko ngabazalwane abambumbulu

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. IMaskili likaDavide.

1Lalela, Nkulunkulu, umkhuleko wami, ungazifihli ekunxuseni kwami.

2Ngizwele, ungiphendule; ngiyayaluza ekukhaleni kwami, ngiyabubula

3ngenxa yezwi lesitha, ngenxa yokucindezela komubi; ngokuba bagingqela okubi phezu kwami; bangizingela bethukuthele.

4 Inhliziyo yami iyathuthumela phakathi kwami; amavuso okufa angehlele.

5Ngifikelwe luvalo nokuqhaqhazela; ngikhwelwe ngukwesaba okukhulu.

6 Besengithi: Sengathi ngingaba namaphiko njengejuba; ngabe ngindizela ekudeni, ngihlale khona.

7Bheka, bengiyakubaleka, ngiye kude, ngingenise ehlane. ***Sela***

8Ngabe ngiphuthuma indawo yokuphepha emoyeni ovunguzayo nasesiphephweni.

9 Bachithe, Nkosi, uphambanise ulimi lwabo, ngokuba ngibonile ubudlwangudlwangu nokuxabana emzini.

10Imini nobusuku bahamba bezungeza phezu kwezingange zawo; okubi nokushinga kuphakathi kwawo.

[11] há destruição no meio dela; das suas praças não se apartam a opressão e o engano.

[12] Com efeito, não é inimigo que me afronta; se o fosse, eu o suportaria; nem é o que me odeia quem se exalta contra mim, pois dele eu me esconderia;

[13] mas és tu, homem meu igual, meu companheiro e meu íntimo amigo.

[14] Juntos andávamos, juntos nos entretínhamos e íamos com a multidão à Casa de Deus.

[15] A morte os assalte, e vivos desçam à cova! Porque há maldade nas suas moradas e no seu íntimo.

[16] Eu, porém, invocarei a Deus, e o SENHOR me salvará.

[17] À tarde, pela manhã e ao meio-dia, farei as minhas queixas e lamentarei; e ele ouvirá a minha voz.

[18] Livra-me a alma, em paz, dos que me perseguem; pois são muitos contra mim.

[19] Deus ouvirá e lhes responderá, ele, que preside desde a eternidade, porque não há neles mudança nenhuma, e não temem a Deus.

[20] Tal homem estendeu as mãos contra os que tinham paz com ele; corrompeu a sua aliança.

[21] A sua boca era mais macia que a manteiga, porém no coração havia guerra; as suas palavras eram mais brandas que o

[11]Ububi buphakathi kwawo; imbandezelo nenkohliso akusuki esigcawini sawo.

[12]Ngokuba akusiso isitha esingiklolodelayo; ngabe ngiyakuthwala; akusiye ongizondayo oziphakamise phezu kwami; ngabe ngamcashela;

[13] kepha nguwe ntanga yami, mhlobo wami nomngane wami.

[14]Sasihlalisana kamnandi; sasiya endlini kaNkulunkulu kanye nebandla elithokozayo.

[15] Ukufa makubazume, bashonele endaweni yabafileyo besezwa, ngokuba ububi busezindlini zabo nasezinhliziyweni zabo.

[16]Mina ngizakukhala kuNkulunkulu; uJehova uzakungisindisa.

[17] Kusihlwa nasekuseni nasemini ngizakuzikhalela, ngibubule, abeselizwa izwi lami.

[18] Uyawuhlenga umphefumulo wami ngokuthula, bangasondeli kimi, ngokuba baningi abamelene nami.

[19]UNkulunkulu uzakuzwa, abaphendule, yena okhona kwaphakade. ***Sela*** Yibona kambe okungekho kubo ukuphenduka, nabangamesabiyo uNkulunkulu.

[20]Ubeka isandla ngakuye ohlalisene kahle naye; udumazile isivumelwano sakhe.

[21] Umlomo wakhe ubushelezi kunephehlwa, kepha inhliziyo yakhe iyimpi; amazwi akhe athambile

azeite; contudo, eram espadas desembainhadas.

[22] Confia os teus cuidados ao SENHOR, e ele te susterá; jamais permitirá que o justo seja abalado.

[23] Tu, porém, ó Deus, os precipitarás à cova profunda; homens sanguinários e fraudulentos não chegarão à metade dos seus dias; eu, todavia, confiarei em ti.

Salmo 56

Conforto na perseguição

Ao mestre de canto. Segundo a melodia "A pomba nos terebintos distantes". Hino de Davi, quando os filisteus o prenderam em Gate
1 Sm 21.13-15

[1] Tem misericórdia de mim, ó Deus, porque o homem procura ferir-me; e me oprime pelejando todo o dia.

[2] Os que me espreitam continuamente querem ferir-me; e são muitos os que atrevidamente me combatem.

[3] Em me vindo o temor, hei de confiar em ti.

[4] Em Deus, cuja palavra eu exalto, neste Deus ponho a minha confiança e nada temerei. Que me pode fazer um mortal?

[5] Todo o dia torcem as minhas palavras; os seus pensamentos são todos contra mim para o mal.

[6] Ajuntam-se, escondem-se, espionam os meus passos, como aguardando a hora de me darem cabo da vida.

kunamafutha; nokho ayizinkemba ezikhokhiweyo.

[22] Phonsa phezu kukaJehova umthwalo wakho, uzakukuphasa; akayikuvuma naphakade ukuba olungileyo azanyazanyiswe.

[23] Wena Nkulunkulu uyakubaphonsa egodini lokubhubhisa; abantu begazi nenkohliso abayikufinyelela nasenxenyeni yezinsuku zabo; kepha mina ngizakwethemba wena.

AmaHubo 56

Umkhuleko wocela ukukhululwa ezitheni ezizungezayo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ijuba elithulayo emajukujukwini. ElikaDavide. IMiktamu, ekubanjweni kwakhe ngamaFilisti eGati.

[1]Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu, ngokuba abantu bafuna ukungigwinya; usuku lonke bayangicindezela belwa.

[2] Izitha zami zifuna ukungigwinya usuku lonke; ngokuba baningi abalwa nami ngokuzidla.

[3]Mhla ngesabayo ngiyakwethemba wena.

[4] KuNkulunkulu ngiyakudumisa izwi lakhe; ngithemba uNkulunkulu, angiyikwesaba; inyama ingangenzani na?

[5]Amazwi ami bawahlanekezela usuku lonke; yonke imicabango yabo iqonde ukungona.

[6]Bayabuthana, baqamekele, baqaphele izinyathelo zami, njengokuba beqamekela umphefumulo wami.

[7] Dá-lhes a retribuição segundo a sua iniqüidade. Derriba os povos, ó Deus, na tua ira!

[8] Contaste os meus passos quando sofri perseguições; recolheste as minhas lágrimas no teu odre; não estão elas inscritas no teu livro?

[9] No dia em que eu te invocar, baterão em retirada os meus inimigos; bem sei isto: que Deus é por mim.

[10] Em Deus, cuja palavra eu louvo, no SENHOR, cuja palavra eu louvo,

[11] neste Deus ponho a minha confiança e nada temerei. Que me pode fazer o homem?

[12] Os votos que fiz, eu os manterei, ó Deus; render-te-ei ações de graças.

[13] Pois da morte me livraste a alma, sim, livraste da queda os meus pés, para que eu ande na presença de Deus, na luz da vida.

Salmo 57

Louvor pela benignidade divina

Vs. 7-11: Salmo 108.1-5

Ao mestre de canto, segundo a melodia "Não destruas". Hino de Davi, quando fugia de Saul, na caverna

1 Sm 24.3

[1] Tem misericórdia de mim, ó Deus, tem misericórdia, pois em ti a minha alma se refugia; à sombra das tuas asas me abrigo, até que passem as calamidades.

[7] Bayakuphunyuka yini ebubini babo na? Diliza izizwe ngentukuthelo, Nkulunkulu.

[8] Ukuzula kwami ukubalile wena; yetha izinyembezi zami egabheni lakho; azikho encwadini yakho na?

[9]Khona izitha zami ziyakubuyela emuva mhla ngikhalayo; ngiyakwazi lokhu ukuthi uNkulunkulu unami.

[10]KuNkulunkulu ngiyakulidumisa izwi; kuJehova ngiyakulidumisa izwi.

[11] Ngiyethemba kuNkulunkulu, angiyikwesaba; umuntu angangenzani na?

[12] Nkulunkulu, izithembiso zami kuwe ziphezu kwami; ngiyakunikela kuwe iminikelo yokubonga.

[13] Ngokuba uwukhululile umphefumulo wami ekufeni nezinyawo zami ekuweni, ukuze ngihambe ebusweni bukaNkulunkulu ekukhanyeni kwabaphilayo.

AmaHubo 57

Umkhuleko wocela ukuvikelwa ezitheni

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. ElikaDavide. IMiktamu, mhla ebalekela uSawule emphandwini.

[1] Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu; yiba nomusa kimi. Ngokuba umphefumulo wami uphephela kuwe; ngifuna ukukhosela ethunzini lamaphiko akho, zize zidlule izinhlupheko.

2 Clamarei ao Deus Altíssimo, ao Deus que por mim tudo executa.

3 Ele dos céus me envia o seu auxílio e me livra; cobre de vergonha os que me ferem. Envia a sua misericórdia e a sua fidelidade.

4 Acha-se a minha alma entre leões, ávidos de devorar os filhos dos homens; lanças e flechas são os seus dentes, espada afiada, a sua língua.

5 Sê exaltado, ó Deus, acima dos céus; e em toda a terra esplenda a tua glória.

6 Armaram rede aos meus passos, a minha alma está abatida; abriram cova diante de mim, mas eles mesmos caíram nela.

7 Firme está o meu coração, ó Deus, o meu coração está firme; cantarei e entoarei louvores.

8 Desperta, ó minha alma! Despertai, lira e harpa! Quero acordar a alva.

9 Render-te-ei graças entre os povos; cantar-te-ei louvores entre as nações.

10 Pois a tua misericórdia se eleva até aos céus, e a tua fidelidade, até às nuvens.

11 Sê exaltado, ó Deus, acima dos céus; e em toda a terra esplenda a tua glória.

Salmo 58

A sorte dos ímpios

2 Ngizakukhala kuNkulunkulu oPhezukonke, kuNkulunkulu ongifezelayo.

3 Uyakuthumela esezulwini, angisindise mhla ofuna ukungigwinya ekloloda. ***Sela*** UNkulunkulu uyakuthuma umusa wakhe neqiniso lakhe.

4 Umphefumulo wami uphakathi kwezingonyama; ngilala kwabavutha umlilo, abantwana babantu abamazinyo abo ayimikhonto nemicibisholo, abalulimi lwabo luyinkemba ebukhali.

5 Phakama, Nkulunkulu, phezu kwezulu, inkazimulo ibe phezu komhlaba wonke.

6 Izinyathelo zami bazibekele ugibe; umphefumulo wami ugobile; bembile igebe phambi kwami, kwakhalakathela bona kulo. ***Sela***

7 Inhliziyo yami iduduzekile, Nkulunkulu; inhliziyo yami iduduzekile; ngizakuhlabelela, ngihube.

8 Vuka, mphefumulo wami; vukani, lugubhu nehabhu! Ngizakuvusa ukusa.

9 Ngizakukubonga, Nkosi, phakathi kwabantu, ngikudumise phakathi kwezizwe.

10 Ngokuba umusa wakho mkhulu kuze kube sezulwini, nokuthembeka kwakho kuze kube semafwini.

11 Phakama, Nkulunkulu, phezu kwezulu, inkazimulo yakho ibe phezu komhlaba wonke.

AmaHubo 58

Umkhuleko wocela ukuthotshiswa kwabahluleli ababi

Ao mestre de canto, segundo a melodia “Não destruas”. Hino de Davi

[1] Falais verdadeiramente justiça, ó juízes? Julgais com retidão os filhos dos homens?

[2] Longe disso; antes, no íntimo engendrais iniqüidades e distribuís na terra a violência de vossas mãos.

[3] Desviam-se os ímpios desde a sua concepção; nascem e já se desencaminham, proferindo mentiras.

[4] Têm peçonha semelhante à peçonha da serpente; são como a víbora surda, que tapa os ouvidos,

[5] para não ouvir a voz dos encantadores, do mais fascinante em encantamentos.

[6] Ó Deus, quebra-lhes os dentes na boca; arranca, SENHOR, os queixais aos leõezinhos.

[7] Desapareçam como águas que se escoam; ao dispararem flechas, fiquem elas embotadas.

[8] Sejam como a lesma, que passa diluindo-se; como o aborto de mulher, não vejam nunca o sol.

[9] Como espinheiros, antes que vossas panelas sintam deles o calor, tanto os verdes como os que estão em brasa serão arrebatados como por um redemoinho.

[10] Alegrar-se-á o justo quando vir a vingança; banhará os pés no sangue do ímpio.

[11] Então, se dirá: Na verdade, há recompensa para o justo; há um Deus, com efeito, que julga na terra.

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. ElikaDavide. IMiktamu.

[1] Imbala nikhuluma ukulunga ngokuthula na? Madodana abantu, nahlulela ngobuqotho na?

[2]Ingani enhliziyweni niphehla imisebenzi emibi; ezweni nilinganisa ngesilinganiso ukudluzula kwezandla zenu.

[3] Ababi bahlubuka kwasesizalweni, abaqamba amanga baduka kwasesiswini.

[4] Isihlungu sabo sinjengesihlungu senyoka; banjengebululu eliyisithulu, elivimba indlebe yalo,

[5]lingalaleli izwi lezinyanga ezilumba amalumbo ngokuhlakanipha.

[6] Yaphula amazinyo abo emlonyeni wabo, Nkulunkulu! Phohloza amazinyo omhlathi ezingonyama ezingamabhongo, Jehova!

[7] Mabaphele njengamanzi agobhozayo; nxa ekhomba ngemicibisholo yakhe, mayibe sengathi iqundekile.

[8] Mababe njengomnenke oncibilika, uphele, njengokuphuphume kowesifazane okungalibonanga ilanga.

[9]Amabhodwe enu engakazizwa izinkuni zameva, uyakuziphephula, noma ziluhlaza noma zivutha.

[10] Olungileyo uyakujabula ngokuba ebona impindiselo; uyakugeza izinyawo zakhe egazini lababi,

[11] abantu baze bathi: Impela ukhona umvuzo wolungileyo; impela ukhona uNkulunkulu owahlulelayo emhlabeni.

Salmo 59

Súplica em prol de libertação

Ao mestre de canto, segundo a melodia "Não destruas". Hino de Davi, quando Saul mandou que lhe sitiassem a casa, para o matar
1 Sm 19.11

1 Livra-me, Deus meu, dos meus inimigos; põe-me acima do alcance dos meus adversários.

2 Livra-me dos que praticam a iniqüidade e salva-me dos homens sanguinários,

3 pois que armam ciladas à minha alma; contra mim se reúnem os fortes, sem transgressão minha, ó SENHOR, ou pecado meu.

4 Sem culpa minha, eles se apressam e investem; desperta, vem ao meu encontro e vê.

5 Tu, SENHOR, Deus dos Exércitos, és o Deus de Israel; desperta, pois, e vem de encontro a todas as nações; não te compadeças de nenhum dos que traiçoeiramente praticam a iniqüidade.

6 Ao anoitecer, uivam como cães, à volta da cidade.

7 Alardeiam de boca; em seus lábios há espadas. Pois dizem eles: Quem há que nos escute?

8 Mas tu, SENHOR, te rirás deles; zombarás de todas as nações.

9 Em ti, força minha, esperarei; pois Deus é meu alto refúgio.

10 Meu Deus virá ao meu encontro com a sua benignidade, Deus me fará ver o meu desejo sobre os meus inimigos.

AmaHubo 59

Umkhuleko wocela ukukhululwa ezitheni

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. ElikaDavide. IMiktamu, mhla uSawule ethumela, ethi mabayilinde indlu ukuba bambulale.

1 Ngikhulule ezitheni zami, Nkulunkulu wami, ngivikele kwabangivukelayo;

2 ngikhulule kwabenza okubi, ngisindise kubantu begazi.

3 Ngokuba bheka, baqamekela umphefumulo wami; iziqhwaga ziyangihlanganyela, kungekho siphambeko, kungekho sono kimi, Jehova.

4 Ziyagijima, zizilungisele, kungekho cala kimi; vuka, ungihlangabeze, ubone.

5 Wena kambe, Jehova Nkulunkulu Sebawoti, Nkulunkulu ka-Israyeli, vuka uphindisele bonke abezizwe, ungahawukeli namunye kwabahlubukileyo. ***Sela***

6 Bayabuya kusihlwa, bahlaba umkhulungwane njengenja, bezula emzini.

7 Bheka, bayampompa ngomlomo wabo, kukhona izinkemba ezindebeni zabo, ngokuba bathi: Ngubani ozwayo na?

8 Kepha wena Jehova uyabahleka; uyabaklolodela bonke abezizwe.

9 Mandla ami, ngiyakulindela wena, ngokuba uNkulunkulu uyinqaba yami.

10 UNkulunkulu wami uyakungihlangabeza ngomusa wakhe; uNkulunkulu uyakungibonisa izitha zami ngokwethaba.

[11] Não os mates, para que o meu povo não se esqueça; dispersa-os pelo teu poder e abate-os, ó SENHOR, escudo nosso.
[12] Pelo pecado de sua boca, pelas palavras dos seus lábios, na sua própria soberba sejam enredados e pela abominação e mentiras que proferem.
[13] Consome-os com indignação, consome-os, de sorte que jamais existam e se saiba que reina Deus em Jacó, até aos confins da terra.
[14] Ao anoitecer, uivam como cães, à volta da cidade.
[15] Vagueiam à procura de comida e, se não se fartam, então, rosnam.
[16] Eu, porém, cantarei a tua força; pela manhã louvarei com alegria a tua misericórdia; pois tu me tens sido alto refúgio e proteção no dia da minha angústia.
[17] A ti, força minha, cantarei louvores, porque Deus é meu alto refúgio, é o Deus da minha misericórdia.

Salmo 60

Oração em tempos de guerra

Vs. 5-12: Salmo 108.6-13
Ao mestre de canto, segundo a melodia “Os lírios do testemunho”. Hino de Davi para ensinar. Quando lutou contra os siros da Mesopotâmia e os siros de Zobá, e quando Joabe, regressando, derrotou de Edom doze mil homens, no vale do Sal
2 Sm 8.13; 1 Cr 18.12

[1] Ó Deus, tu nos rejeitaste e nos dispersaste; tens estado indignado; oh! Restabelece-nos!

[11] Ungazibulali, funa abantu bami bakhohlwe; zizulise ngamandla akho, uzilahle phansi, Nkosi, sihlangu sethu.
[12]Izwi lezindebe zazo liyisono somlomo wazo; mazibanjwe ekuzidleni kwazo nangenxa yesiqalekiso namanga eziwakhulumayo.
[13]Ziqede ngokuthukuthela, ziqede zingabe zisabakho; mazazi ukuba nguNkulunkulu obusa kwaJakobe, kuze kube semikhawulweni yomhlaba. ***Sela***
[14]Ziyabuya kusihlwa; zihlaba umkhulungwane njengenja, zizula emzini.
[15] Zizulazulela ukudla; uma zingasuthi, zihlala nasebusuku.
[16]Kepha mina ngizakuhlabelela ngamandla akho, ngethabele umusa wakho ekuseni, ngokuba uyinqaba yami, nesiphephelo ngosuku lokuhlupheka kwami.
[17]Mandla ami, ngizakuhubela wena; ngokuba uNkulunkulu uyinqaba yami, unguNkulunkulu wami womusa.

AmaHubo 60

Umkhuleko wocela ukusizwa ekunqobeni kwezitha

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Umnduze; ubufakazi. IMiktamu likaDavide, ekulweni kwakhe nama-Aramu Naharayimi nama-Aramu Soba, uJowabe ebuya, enqoba abakwa-Edomi esiGodini Sikasawoti abayizinkulungwane eziyishumi nambili.

[1]Nkulunkulu usilahlile, usichithile; mawubuye usilulamise.

[2] Abalaste a terra, fendeste-a; repara-lhe as brechas, pois ela ameaça ruir.

[3] Fizeste o teu povo experimentar reveses e nos deste a beber vinho que atordoa.
[4] Deste um estandarte aos que te temem, para fugirem de diante do arco.

[5] Para que os teus amados sejam livres, salva com a tua destra e responde-nos.

[6] Falou Deus na sua santidade: Exultarei; dividirei Siquém e medirei o vale de Sucote.

[7] Meu é Gileade, meu é Manassés; Efraim é a defesa de minha cabeça; Judá é o meu cetro.
[8] Moabe, porém, é a minha bacia de lavar; sobre Edom atirarei a minha sandália; sobre a Filístia jubilarei.

[9] Quem me conduzirá à cidade fortificada? Quem me guiará até Edom?

[10] Não nos rejeitaste, ó Deus? Tu não sais, ó Deus, com os nossos exércitos!
[11] Presta-nos auxílio na angústia, pois vão é o socorro do homem.
[12] Em Deus faremos proezas, porque ele mesmo calca aos pés os nossos adversários.

Salmo 61

Oração pelo rei
Ao mestre de canto. Com instrumentos de cordas. De Davi

[1] Ouve, ó Deus, a minha súplica; atende à minha oração.

[2]Uzamazamisile umhlaba, wawudabula izimfa; zivale izimfa zawo, ngokuba uyazamazama.
[3] Isizwe sakho usibonisile izinto ezinzima; usiphuzisile iwayini, sabhuyazela.
[4]Abakwesabayo ubanike ibhanela ukuba liphakanyiswe ngenxa yeqiniso. ***Sela***
[5] Ukuze abathandekayo bakho bakhululwe, sindisa ngesandla sakho sokunene, ungizwele.
[6]UNkulunkulu ukhulumile ebungcweleni bakhe, wathi: Ngiyakwethaba; ngiyakulidabula iShekemi, ngisilinganise isiGodi saseSukoti.
[7] Ngowami uGileyadi, ngowami uManase; u-Efrayimi uyisivikelo sekhanda lami, uJuda uyintonga yami yokubusa.
[8] UMowabi uyisitsha sami sokuhlambela; phezu kuka-Edomi ngiphonsa isicathulo sami; yethaba ngami, Filistiya.
[9]Ngubani oyakungiyisa emzini oqinileyo na? Ngubani oyakungiholela kwa-Edomi na?
[10] Akusiwena Nkulunkulu osilahlileyo na? Nkulunkulu, awusaphumi nezimpi zethu.
[11] Siphe ukuba sisizakale ekuhluphekeni, ngokuba ukusiza komuntu kuyize.
[12] NgoNkulunkulu siyakwenza izenzo zamandla; yena uyakunyathela phansi izitha zethu.

AmaHubo 61

Ukucelela inkosi isibusiso
Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. ElikaDavide.

[1]Yizwa, Nkulunkulu, ukukhala kwami, ulalele umkhuleko wami.

[2] Desde os confins da terra clamo por ti, no abatimento do meu coração. Leva-me para a rocha que é alta demais para mim;

[3] pois tu me tens sido refúgio e torre forte contra o inimigo.

[4] Assista eu no teu tabernáculo, para sempre; no esconderijo das tuas asas, eu me abrigo.

[5] Pois ouviste, ó Deus, os meus votos e me deste a herança dos que temem o teu nome.

[6] Dias sobre dias acrescentas ao rei; duram os seus anos gerações após gerações.

[7] Permaneça para sempre diante de Deus; concede-lhe que a bondade e a fidelidade o preservem.

[8] Assim, salmodiarei o teu nome para sempre, para cumprir, dia após dia, os meus votos.

[2]Ngikhala kuwe ngisemkhawulweni womhlaba, lapho inhliziyo yami isebuthakathakeni; ngiholele edwaleni eliphakeme kunami.

[3] Ngokuba ubuyisiphephelo sami, inqaba eqinileyo ngakuso isitha.

[4] Ngiyakuhlala etendeni lakho kuze kube phakade; ngiyakukhosela ekusithekeni kwamaphiko akho. ***Sela***

[5]Ngokuba wena Nkulunkulu uzizwile izithembiso zami, wabanika ifa abalesaba igama lakho.

[6] Uyakweleka izinsuku ezinsukwini zenkosi; iminyaka yayo iyakuba njengezizukulwane nezizukulwane.

[7]Iyakuhlala phambi kukaNkulunkulu kuze kube phakade; yimisele umusa neqiniso ukuba kuyilondoloze.

[8]Khona ngiyakulidumisa igama lakho kuze kube phakade, ukuze ngigcwalise izithembiso zami imihla ngemihla.

Salmo 62

Exortação à confiança

Ao mestre de canto. Segundo a melodia de Jedutum. De Davi

[1] Somente em Deus, ó minha alma, espera silenciosa; dele vem a minha salvação.

[2] Só ele é a minha rocha, e a minha salvação, e o meu alto refúgio; não serei muito abalado.

[3] Até quando acometereis vós a um homem, todos vós, para o derribardes, como se fosse uma parede pendida ou um muro prestes a cair?

AmaHubo 62

UNkulunkulu uyisiphephelo sethu

Kumholi wokuhlabelela. KuJeduthuni. Ihubo likaDavide.

[1]Umphefumulo wami uzithulele kuNkulunkulu kuphela; insindiso yami ivela kuye.

[2] Nguye kuphela oyidwala lami nensindiso yami, inqaba yami; angiyikunyakaziswa kakhulu.

[3]Koze kube nini nisukela umuntu ukuba nimbulale nonke njengodonga olwengemeyo nothango oludilikayo na?

[4] Só pensam em derribá-lo da sua dignidade; na mentira se comprazem; de boca bendizem, porém no interior maldizem.
[5] Somente em Deus, ó minha alma, espera silenciosa, porque dele vem a minha esperança.
[6] Só ele é a minha rocha, e a minha salvação, e o meu alto refúgio; não serei jamais abalado.
[7] De Deus dependem a minha salvação e a minha glória; estão em Deus a minha forte rocha e o meu refúgio.

[8] Confiai nele, ó povo, em todo tempo; derramai perante ele o vosso coração; Deus é o nosso refúgio.

[9] Somente vaidade são os homens plebeus; falsidade, os de fina estirpe; pesados em balança, eles juntos são mais leves que a vaidade.
[10] Não confieis naquilo que extorquis, nem vos vanglorieis na rapina; se as vossas riquezas prosperam, não ponhais nelas o coração.

[11] Uma vez falou Deus, duas vezes ouvi isto: Que o poder pertence a Deus,

[12] e a ti, SENHOR, pertence a graça, pois a cada um retribuis segundo as suas obras.

Salmo 63

Buscando a Deus
Salmo de Davi, quando no deserto de Judá
2 Sm 15.23,28

[4]Yebo, bathunga icebo lokumwisa ekuphakameni kwakhe, bathanda amanga; bayabusisa ngomlomo wabo, kepha ezibilinini zabo bayaqalekisa. ***Sela***
[5]Mphefumulo wami, zithulisele kuNkulunkulu kuphela, ngokuba ithemba lami livela kuye.
[6] Nguye kuphela oyidwala lami nensindiso yami, inqaba yami; angiyikunyakaziswa.
[7]Insindiso yami nodumo lwami kukuNkulunkulu; idwala lami eliqinileyo nesiphephelo sami kukuNkulunkulu.
[8]Thembani kuye ngezikhathi zonke nina bantu, nithulule inhliziyo yenu phambi kwakhe; uNkulunkulu uyisiphephelo sethu. ***Sela***
[9] Abantwana babantu bangumoya nje, abantwana bezikhulu bangamanga; esilinganisweni bayakhuphuka, balula kunomoya bonke.

[10] Maningakwethembi ukuqhwaga, ningazigabisi ngokuphangiweyo; uma imfuyo yanda, ningayibeki inhliziyo kuyo.

[11]UNkulunkulu ukhulumile kanye, ngikuzwe kabili ukuthi amandla angakaNkulunkulu.
[12] Nomusa ungowakho, Nkosi; ngokuba wena umphindisela umuntu njengokwenza kwakhe.

AmaHubo 63

Ukulangazelela uNkulunkulu
Ihubo likaDavide esehlane lakwaJuda.

[1] Ó Deus, tu és o meu Deus forte; eu te busco ansiosamente; a minha alma tem sede de ti; meu corpo te almeja, como terra árida, exausta, sem água.

[2] Assim, eu te contemplo no santuário, para ver a tua força e a tua glória.

[3] Porque a tua graça é melhor do que a vida; os meus lábios te louvam.

[4] Assim, cumpre-me bendizer-te enquanto eu viver; em teu nome, levanto as mãos.

[5] Como de banha e de gordura farta-se a minha alma; e, com júbilo nos lábios, a minha boca te louva,

[6] no meu leito, quando de ti me recordo e em ti medito, durante a vigília da noite.

[7] Porque tu me tens sido auxílio; à sombra das tuas asas, eu canto jubiloso.

[8] A minha alma apega-se a ti; a tua destra me ampara.

[9] Porém os que me procuram a vida para a destruir abismar-se-ão nas profundezas da terra.

[10] Serão entregues ao poder da espada e virão a ser pasto dos chacais.

[11] O rei, porém, se alegra em Deus; quem por ele jura gloriar-se-á, pois se tapará a boca dos que proferem mentira.

Salmo 64

[1] Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami, ngiyakufuna ekuseni; umphefumulo wami womele wena; inyama yami ilangazelela wena ezweni elomileyo eligagadekileyo, lapho amanzi engekho khona.

[2] Kanjalo ngikubheka endlini engcwele, ngibone amandla akho nenkazimulo yakho.

[3]Ngokuba umusa wakho umnandi kunokuphila; izindebe zami ziyakukudumisa.

[4] Ngiyakukubonga ngisaphila; ngiyakuphakamisa izandla zami egameni lakho.

[5]Umphefumulo wami uyakusutha kungathi ngamanoni namafutha; umlomo wami uyakudumisa ngezindebe ezethabayo,

[6]Nxa ngikukhumbula ecansini lami, ngizindla ngawe emilindweni yasebusuku.

[7] Ngokuba ungisizile; ngiyakwethaba ethunzini lamaphiko akho.

[8] Umphefumulo wami ubambelele kuwe; esokunene sakho siyangiphasa.

[9] Kepha abafuna umphefumulo wami ukuwubulala bayakwehlela ezindaweni zomhlaba eziphansi.

[10]Bayakunikelwa esandleni senkemba, babe yisabelo sezimpungushe.

[11] Kepha inkosi iyakuthokoza ngoNkulunkulu; bonke abafunga yena bayakuzibonga; ngokuba umlomo wabakhuluma amanga uyakuvalwa.

AmaHubo 64

Proteção contra os inimigos
Ao mestre de canto. Salmo de Davi

1 Ouve, ó Deus, a minha voz nas minhas perplexidades; preserva-me a vida do terror do inimigo.

2 Esconde-me da conspiração dos malfeitores e do tumulto dos que praticam a iniqüidade,

3 os quais afiam a língua como espada e apontam, quais flechas, palavras amargas,

4 para, às ocultas, atingirem o íntegro; contra ele disparam repentinamente e não temem.

5 Teimam no mau propósito; falam em secretamente armar ciladas; dizem: Quem nos verá?

6 Projetam iniqüidade, inquirem tudo o que se pode excogitar; é um abismo o pensamento e o coração de cada um deles.

7 Mas Deus desfere contra eles uma seta; de súbito, se acharão feridos.

8 Dessarte, serão levados a tropeçar; a própria língua se voltará contra eles; todos os que os vêem meneiam a cabeça.

9 E todos os homens temerão, e anunciarão as obras de Deus, e entenderão o que ele faz.

10 O justo se alegra no SENHOR e nele confia; os de reto coração, todos se gloriam.

Salmo 65

Ações de graças pelas bênçãos das searas
Ao mestre de canto. De Davi. Cântico

Umkhuleko wocela ukuvikelwa ezitheni
Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1Yizwa, Nkulunkulu, izwi lami ekukhaleni kwami, ulondoloze ukuphila kwami evusweni lesitha.

2Ngisithe esigungwini sababi nasesixukwini sabenza okubi,

3 abalola ulimi lwabo njengenkemba, bakhombe imicibisholo yabo engamazwi ababayo

4 ukuba bamdubule ongenacala ngasesitha, bamdubule ngokuzuma bengesabi.

5 Baqinela icebo elibi; bakhuluma ngokufihla izingibe; bathi: Ngubani oyakusibona na?

6Basongoza izenzo ezimbi, bathi: Siliqedile icebo elisongoziweyo, izibilini nenhliziyo yomuntu kujulile.

7 Kepha uNkulunkulu uyakubadubula ngomcibisholo; bagwazwe ngokuzunywa.

8 Bayakuwiswa, baficwe lulimi lwabo; bonke abababonayo bayonikina ikhanda.

9 Bonke abantu bayashaywa luvalo; bayakushumayela izenzo zikaNkulunkulu, baqonde akwenzileyo.

10 Olungileyo uyakujabula kuJehova, aphephele kuye; bonke abaqotho ngenhliziyo bayakuzibonga.

AmaHubo 65

Ukubonga izipho zikaNkulunkulu
Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide. Igama.

[1] A ti, ó Deus, confiança e louvor em Sião! E a ti se pagará o voto.

[2] Ó tu que escutas a oração, a ti virão todos os homens,

[3] por causa de suas iniqüidades. Se prevalecem as nossas transgressões, tu no-las perdoas.

[4] Bem-aventurado aquele a quem escolhes e aproximas de ti, para que assista nos teus átrios; ficaremos satisfeitos com a bondade de tua casa – o teu santo templo.

[5] Com tremendos feitos nos respondes em tua justiça, ó Deus, Salvador nosso, esperança de todos os confins da terra e dos mares longínquos;

[6] que por tua força consolidas os montes, cingido de poder;

[7] que aplacas o rugir dos mares, o ruído das suas ondas e o tumulto das gentes.

[8] Os que habitam nos confins da terra temem os teus sinais; os que vêm do Oriente e do Ocidente, tu os fazes exultar de júbilo.

[9] Tu visitas a terra e a regas; tu a enriqueces copiosamente; os ribeiros de Deus são abundantes de água; preparas o cereal, porque para isso a dispões,

[10] regando-lhe os sulcos, aplanando-lhe as leivas. Tu a amoleces com chuviscos e lhe abençoas a produção.

[1] Udumiso luhlalela wena Nkulunkulu eSiyoni, nesithembiso siyakugcwaliswa kuwe.

[2]Wena ozwayo imikhuleko, beza kuwe bonke abantu.

[3] Izenzo ezimbi zangahlula; iziphambeko zethu uyaziyekela.

[4] Ubusisiwe omkhethayo wena, omsondezayo ukuba ahlale emagcekeni akho; siyakusutha ngokuhle kwendlu yakho, ithempeli lakho elingcwele.

[5] Uyakusiphendula ngezenzo ezesabekayo ekulungeni, Nkulunkulu wensindiso yethu, wena oyithemba lemikhawulo yonke yomhlaba nelolwandle olukude;

[6]yena omisa izintaba ngamandla akhe, obhince amandla;

[7] othulisa ukuduma kwezilwandle, inhlokomo yamaza azo nomsindo wabantu.

[8]Abakhile emikhawulweni yomhlaba bayesaba ngezibonakaliso zakho; uyethabisa impumalanga nentshonalanga.

[9] Uhambela umhlaba, unisa imvula, uwuvundisa kakhulu; umfula kaNkulunkulu ugcwele amanzi; ubalungisela abantu ukudla, ngokuba uwulungisa kanjalo umhlaba.

[10] Umatisa imisele yawo, ulalisa amasoyi awo; uwuthambisa ngezihlambi, ubusise okumila kuwo.

[11] Coroas o ano da tua bondade; as tuas pegadas destilam fartura,

[12] destilam sobre as pastagens do deserto, e de júbilo se revestem os outeiros.

[13] Os campos cobrem-se de rebanhos, e os vales vestem-se de espigas; exultam de alegria e cantam.

Salmo 66

Ofertas de gratidão

Ao mestre de canto. Cântico. Salmo

[1] Aclamai a Deus, toda a terra.

[2] Salmodiai a glória do seu nome, dai glória ao seu louvor.

[3] Dizei a Deus: Que tremendos são os teus feitos! Pela grandeza do teu poder, a ti se mostram submissos os teus inimigos.

[4] Prostra-se toda a terra perante ti, canta salmos a ti; salmodia o teu nome.

[5] Vinde e vede as obras de Deus: tremendos feitos para com os filhos dos homens!

[6] Converteu o mar em terra seca; atravessaram o rio a pé; ali, nos alegramos nele.

[7] Ele, em seu poder, governa eternamente; os seus olhos vigiam as nações; não se exaltem os rebeldes.

[8] Bendizei, ó povos, o nosso Deus; fazei ouvir a voz do seu louvor;

[9] o que preserva com vida a nossa alma e não permite que nos resvalem os pés.

[11]Umnyaka uyawuhlobisa ngobumnene bakho, nemikhondo yakho iconsa amafutha.

[12] Amadlelo asehlane ayaconsa; amagquma abhinca injabulo.

[13]Amadlelo embethe izimvu, nezigodi zisibekelwe ngamabele; konke kuyajabula, kuhlabelele.

AmaHubo 66

Ukubonga nokudumisa uNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Igama. Ihubo.

[1] Mhubeleni ngenjabulo uNkulunkulu, mhlaba wonke.

[2] Hlabelelelani inkazimulo yegama lakhe, nibabaze ukudunyiswa kwakhe.

[3] Yishoni kuNkulunkulu, nithi: Yeka ukwesabeka kwemisebenzi yakho. Ngenxa yobukhulu bamandla akho izitha zakho ziyakuzithoba phansi kwakho.

[4]Umhlaba wonke uyakukhuleka kuwe, ukudumise; bayakuhubela igama lakho. *Sela*

[5] Wozani nibone izenzo zikaNkulunkulu; uyesabeka ekwenzeni kwakhe kubantwana babantu.

[6] Ulwandle waluguqula lwaba yizwe elomileyo; bawela umfula ngezinyawo; lapho sathokoza kuye.

[7] Ubusa ngamandla akhe kuze kube phakade; amehlo akhe ayahlozinga izizwe; abanenkani mabangaziphakamisi. *Sela*

[8]Bongani uNkulunkulu wethu nina zizwe, nizwakalise izwi lokudunyiswa kwakhe

[9]ogcina umphefumulo wethu ekuphileni, engaluvumeli unyawo lwethu lushelele.

[10] Pois tu, ó Deus, nos provaste; acrisolaste-nos como se acrisola a prata.
[11] Tu nos deixaste cair na armadilha; oprimiste as nossas costas;
[12] fizeste que os homens cavalgassem sobre a nossa cabeça; passamos pelo fogo e pela água; porém, afinal, nos trouxeste para um lugar espaçoso.

[13] Entrarei na tua casa com holocaustos; pagar-te-ei os meus votos,

[14] que proferiram os meus lábios, e que, no dia da angústia, prometeu a minha boca.

[15] Oferecer-te-ei holocaustos de vítimas cevadas, com aroma de carneiros; imolarei novilhos com cabritos.

[16] Vinde, ouvi, todos vós que temeis a Deus, e vos contarei o que tem ele feito por minha alma.
[17] A ele clamei com a boca, com a língua o exaltei.
[18] Se eu no coração contemplara a vaidade, o SENHOR não me teria ouvido.
[19] Entretanto, Deus me tem ouvido e me tem atendido a voz da oração.

[20] Bendito seja Deus, que não me rejeita a oração, nem aparta de mim a sua graça.

Salmo 67

As nações rendem graças
Ao mestre de canto. Para instrumentos de cordas. Salmo. Cântico

[10] Ngokuba wena Nkulunkulu usilingile, wasihlanza njengokuhlanzwa kwesiliva.
[11]Wasingenisa enetheni; wabeka umthwalo onzima ezinkalweni zethu.
[12] Wavumela abantu ukuba bakhwele phezu kwamakhanda ethu; sangena emlilweni nasemanzini; kepha wasikhiphela ekubuseni.
[13] Ngiyakungena endlini yakho nginеminikelo yokushiswa; ngizakugcwalisa kuwe izithembiso zami
[14]ezaphinyiselwa yizindebe zami, zakhulunywa ngumlomo wami ngisekuhluphekeni.
[15]Ngiyakunikela kuwe iminikelo yokushiswa yezinonileyo kanye nephunga lezinqama; ngiyakunikela ngezinkunzi nangezimpongo. ***Sela***
[16]Wozani nizwe nina nonke enesaba uNkulunkulu; ngizakulandisa akwenzele umphefumulo wami.
[17] Ngakhala kuye ngomlomo wami; ukudumisa kwakuphansi kolimi lwami.
[18] Uma bengiqonde ububi enhliziyweni yami, ibingayikungizwa iNkosi.
[19]Ngempela uNkulunkulu uzwile, walalela izwi lomkhuleko wami.
[20]Makabongwe uNkulunkulu ongalahlanga umkhuleko wami nomusa wakhe kimi.

AmaHubo 67

Ukubonga izibusiso zikaNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. Ihubo. Igama.

[1] Seja Deus gracioso para conosco, e nos abençoe, e faça resplandecer sobre nós o rosto;

[2] para que se conheça na terra o teu caminho e, em todas as nações, a tua salvação.

[3] Louvem-te os povos, ó Deus; louvem-te os povos todos.

[4] Alegrem-se e exultem as gentes, pois julgas os povos com eqüidade e guias na terra as nações.

[5] Louvem-te os povos, ó Deus; louvem-te os povos todos.

[6] A terra deu o seu fruto, e Deus, o nosso Deus, nos abençoa.

[7] Abençoe-nos Deus, e todos os confins da terra o temerão.

[1] UNkulunkulu makabe nomusa kithina, asibusise; makakhanyise ubuso bakhe phezu kwethu, ***Sela***

[2] ukuze indlela yakho yaziwe emhlabeni, insindiso yakho kubo bonke abezizwe.

[3] Abantu mabakubonge, Nkulunkulu; mabakubonge abantu bonke.

[4]Izizwe mazijabule, zethabe; ngokuba izizwe uzahlulela ngokulunga, uzihola izizwe emhlabeni. ***Sela***

[5]Abantu mabakubonge, Nkulunkulu; mabakubonge abantu bonke.

[6] Umhlaba uthelile izithelo zawo; uNkulunkulu, uNkulunkulu wethu, uyasibusisa.

[7]UNkulunkulu uyasibusisa; imikhawulo yonke yomhlaba iyakumesaba.

Salmo 68

A vitória de Deus sobre os seus inimigos

Ao mestre de canto. Salmo de Davi. Cântico

[1] Levanta-se Deus; dispersam-se os seus inimigos; de sua presença fogem os que o aborrecem.

[2] Como se dissipa a fumaça, assim tu os dispersas; como se derrete a cera ante o fogo, assim à presença de Deus perecem os iníquos.

[3] Os justos, porém, se regozijam, exultam na presença de Deus e folgam de alegria.

[4] Cantai a Deus, salmodiai o seu nome; exaltai o que cavalga sobre as nuvens. SENHOR é o seu nome, exultai diante dele.

AmaHubo 68

Ukunqoba kukaNkulunkulu ka-Israyeli

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo. Igama.

[1] Makavuke uNkulunkulu, zihlakazeke izitha zakhe; abamzondayo babaleka phambi kwakhe.

[2] Bamukiswa njengokumukiswa komusi; njengokuncibilika kwengcina phambi komlilo ababi bachithwa phambi kukaNkulunkulu.

[3] Kepha abalungileyo bayajabula; bayethaba phambi kukaNkulunkulu bethokoza nokuthokoza.

[4] Hlabelelani kuNkulunkulu, nidumise igama lakhe; menzeleni umendo lowo odabula amahlane; igama lakhe linguJehova; yethabani phambi kwakhe,

[5] Pai dos órfãos e juiz das viúvas é Deus em sua santa morada.

[6] Deus faz que o solitário more em família; tira os cativos para a prosperidade; só os rebeldes habitam em terra estéril.

[7] Ao saíres, ó Deus, à frente do teu povo, ao avançares pelo deserto,

[8] tremeu a terra; também os céus gotejaram à presença de Deus; o próprio Sinai se abalou na presença de Deus, do Deus de Israel.

[9] Copiosa chuva derramaste, ó Deus, para a tua herança; quando já ela estava exausta, tu a restabeleceste.

[10] Aí habitou a tua grei; em tua bondade, ó Deus, fizeste provisão para os necessitados.

[11] O SENHOR deu a palavra, grande é a falange das mensageiras das boas-novas.

[12] Reis de exércitos fogem e fogem; a dona de casa reparte os despojos.

[13] Por que repousais entre as cercas dos apriscos? As asas da pomba são cobertas de prata, cujas penas maiores têm o brilho flavo do ouro.

[14] Quando o Todo-Poderoso ali dispersa os reis, cai neve sobre o monte Zalmom.

[15] O monte de Deus é Basã, serra de elevações é o monte de Basã.

[5] uyise wezintandane, umahluleli wabafelokazi, uNkulunkulu endlini yakhe engcwele,

[6] uNkulunkulu ohlalisa imihlalaqha ezindlini, akhiphele iziboshwa ekubuseni; ngabahlubukileyo bodwa abakhe ezweni elomileyo.

[7] Nkulunkulu, ekuphumeni kwakho phambi kwabantu bakho, ekudabuleni kwakho ihlane, ***Sela***

[8] umhlaba wazamazama, izulu laconsa phambi kukaNkulunkulu, neSinayi lazamazama phambi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu ka-Israyeli.

[9] Wanisa imvula enkulu, Nkulunkulu; ifa lakho selahlulekile, waliqinisa.

[10]Ibandla lakho lakha kulo; ngobuhle bakho wabalungisela abahluphekayo, Nkulunkulu.

[11] INkosi iphumisa izwi; abesifazane ababika indaba ejabulisayo bayisixuku esikhulu.

[12]Amakhosi ezimpi ayabaleka; ayabaleka wona; isifazane esihlezi ekhaya sabela impango.

[13] Nxa nilala phakathi kwezibaya, kunjengamaphiko ejuba asibekelwa ngesiliva, izimpaphe zamaphiko alo ngegolide elikhazimulayo.

[14]Nxa uSomandla ehlakaza amakhosi kulo, likhithika iqhwa eSalimoni.

[15]Intaba yaseBashani iyintaba kaNkulunkulu; intaba yaseBashani iyintaba eneziqongo.

[16] Por que olhais com inveja, ó montes elevados, o monte que Deus escolheu para sua habitação? O SENHOR habitará nele para sempre.

[17] Os carros de Deus são vinte mil, sim, milhares de milhares. No meio deles, está o SENHOR; o Sinai tornou-se em santuário.

[18] Subiste às alturas, levaste cativo o cativeiro; recebeste homens por dádivas, até mesmo rebeldes, para que o SENHOR Deus habite no meio deles.

[19] Bendito seja o SENHOR que, dia a dia, leva o nosso fardo! Deus é a nossa salvação.

[20] O nosso Deus é o Deus libertador; com Deus, o SENHOR, está o escaparmos da morte.

[21] Sim, Deus parte a cabeça dos seus inimigos e o cabeludo crânio do que anda nos seus próprios delitos.

[22] Disse o SENHOR: De Basã os farei voltar, fá-los-ei tornar das profundezas do mar,

[23] para que banhes o pé em sangue, e a língua dos teus cães tenha o seu quinhão dos inimigos.

[24] Viu-se, ó Deus, o teu cortejo, o cortejo do meu Deus, do meu Rei, no santuário.

[16] Nina zintaba ezineziqongo, yini ukuba niyibuke ngomhawu intaba uNkulunkulu athanda ukuhlala kuyo na? Yebo, uJehova uyakuhlala kuyo kuze kube phakade.

[17] Izinqola zikaNkulunkulu ziyizinkulungwane ezingamashumi amabili, izinkulungwane nezinkulungwane; iNkosi iphakathi kwazo; iSinayi lisendaweni engcwele.

[18] Wena wenyukela phezulu, wathumba izithunjwa, wamukela izipho kubantu nakwabahlubukileyo, ukuze uJehova uNkulunkulu ahlale khona.

[19]Mayibongwe iNkosi. Iyasithwala imihla ngemihla; uNkulunkulu uyinsindiso yethu. ***Sela***

[20] Kithina uNkulunkulu unguNkulunkulu wezinkululo; ukukhipha ekufeni kungokukaJehova iNkosi.

[21] Impela uNkulunkulu uyakuliphohloza ikhanda lezitha zakhe, ukhakhayi olunesihluthu lwalowo osahamba ezonweni zakhe.

[22] INkosi yathi: Ngiyakubabuyisa eBashani, ngibabuyise ekujuleni kolwandle

[23]ukuba unyawo lwakho ulucwilise egazini, ulimi lwezinja zakho lube nesabelo salo ezitheni.

[24]Bayazibona izindwendwe zakho, Nkulunkulu, izindwendwe zikaNkulunkulu wami, iNkosi yami, ziya endlini engcwele.

[25] Os cantores iam adiante, atrás, os tocadores de instrumentos de cordas, em meio às donzelas com adufes.

[26] Bendizei a Deus nas congregações, bendizei ao SENHOR, vós que sois da estirpe de Israel.

[27] Ali, está o mais novo, Benjamim, que os precede, os príncipes de Judá, com o seu séquito, os príncipes de Zebulom e os príncipes de Naftali.

[28] Reúne, ó Deus, a tua força, força divina que usaste a nosso favor,

[29] oriunda do teu templo em Jerusalém. Os reis te oferecerão presentes.

[30] Reprime a fera dos canaviais, a multidão dos fortes como touros e dos povos com novilhos; calcai aos pés os que cobiçam barras de prata. Dispersa os povos que se comprazem na guerra.

[31] Príncipes vêm do Egito; a Etiópia corre a estender mãos cheias para Deus.

[32] Reinos da terra, cantai a Deus, salmodiai ao SENHOR,

[33] àquele que encima os céus, os céus da antiguidade; eis que ele faz ouvir a sua voz, voz poderosa.

[34] Tributai glória a Deus; a sua majestade está sobre Israel, e a sua fortaleza, nos espaços siderais.

[35] Ó Deus, tu és tremendo nos teus santuários; o Deus de Israel, ele dá força e poder ao povo. Bendito seja Deus!

[25]Ngaphambili kuhamba abahlabeleli, ngasemuva abashaya ugubhu, ngaphakathi izintombi ezishaya izingubhu.

[26] Bongani uNkulunkulu emihlanganweni; bongani iNkosi, nina bomthombo ka-Israyeli.

[27] Nango uBenjamini, omncane, umbusi wabo, neviyo lezikhulu zakwaJuda, izikhulu zakwaZebuloni nezikhulu zakwaNafetali.

[28]UNkulunkulu wakho ukumisele amandla akho; qinisa, Nkulunkulu, lokho ozenzela khona.

[29] Ngenxa yethempeli lakho eJerusalema amakhosi ayakukulethela izipho.

[30] Zikhuze izilwane zasemhlangeni, umhlambi wezinkunzi kanye namankonyane abantu, azithobise phansi ngezinqamu zesiliva; uyazihlakaza izizwe ezithanda ukulwa.

[31] Izikhulu ziyakuvela eGibithe; amaKushe ayakwelulela ngokushesha izandla zawo kuNkulunkulu.

[32]Nina mibuso yomhlaba mhubeleni uNkulunkulu, nidumise iNkosi, ***Sela***

[33] yona ekhwela phezu kwamazulu ezulu asendulo; bhekani, iyezwakalisa izwi layo, izwi elinamandla.

[34]Nikani uNkulunkulu amandla; ubukhosi bakhe buphezu kuka-Israyeli; amandla akhe asemafwini.

[35] Nkulunkulu, uyesabeka ezindaweni zakho ezingcwele; uNkulunkulu ka-Israyeli nguyena owenzela abantu

amandla nokuqina; makadunyiswe uNkulunkulu.

Salmo 69

O lamento do Messias
Ao mestre de canto. Segundo a melodia “Os lírios”. De Davi

[1] Salva-me, ó Deus, porque as águas me sobem até à alma.
[2] Estou atolado em profundo lamaçal, que não dá pé; estou nas profundezas das águas, e a corrente me submerge.
[3] Estou cansado de clamar, secou-se-me a garganta; os meus olhos desfalecem de tanto esperar por meu Deus.
[4] São mais que os cabelos de minha cabeça os que, sem razão, me odeiam; são poderosos os meus destruidores, os que com falsos motivos são meus inimigos; por isso, tenho de restituir o que não furtei.
[5] Tu, ó Deus, bem conheces a minha estultice, e as minhas culpas não te são ocultas.
[6] Não sejam envergonhados por minha causa os que esperam em ti, ó SENHOR, Deus dos Exércitos; nem por minha causa sofram vexame os que te buscam, ó Deus de Israel.
[7] Pois tenho suportado afrontas por amor de ti, e o rosto se me encobre de vexame.
[8] Tornei-me estranho a meus irmãos e desconhecido aos filhos de minha mãe.
[9] Pois o zelo da tua casa me consumiu, e as injúrias dos que te ultrajam caem sobre mim.

AmaHubo 69

Ukuhlupheka kolungileyo
Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Iminduze. ElikaDavide.

[1] Ngisindise, Nkulunkulu, ngokuba amanzi afikile emphefumulweni.
[2] Ngishone odakeni lobishi olujulileyo, kungekho kuma; ngingene emanzini alutwa; imisinga iyangicwilisa.
[3] Ngikhathele ukukhala kwami, umphimbo wami ushile; amehlo ami ayafiphala ekulindeleni uNkulunkulu wami.
[4] Abangizonda ngeze baningi kunezinwele zekhanda lami; baningi abafuna ukungiqeda beyizitha zami kungekho sici; nengingakuphanganga ngakubuyisela.
[5]Nkulunkulu, wena uyabazi ubuwula bami, nezono zami azifihlakele kuwe.
[6] Mabangajabhiswa ngami abakulindeleyo, Nkosi Jehova Sebawoti; mabangahlazeki ngami abakufunayo, Nkulunkulu ka-Israyeli.
[7]Ngokuba ngithwele isihlamba ngenxa yakho; ihlazo lisibekela ubuso bami.
[8] Sengaba ngumfokazi kubafowethu, nowezizwe kubantwana bakamame.
[9] Ngokuba ukushisekela indlu yakho kungidlile; izithuko zabakuthukayo zingehlele.

[10] Chorei, em jejum está a minha alma, e isso mesmo se me tornou em afrontas.
[11] Pus um pano de saco por veste e me tornei objeto de escárnio para eles.
[12] Tagarelam sobre mim os que à porta se assentam, e sou motivo para cantigas de beberrões.

[13] Quanto a mim, porém, SENHOR, faço a ti, em tempo favorável, a minha oração. Responde-me, ó Deus, pela riqueza da tua graça; pela tua fidelidade em socorrer,

[14] livra-me do tremedal, para que não me afunde; seja eu salvo dos que me odeiam e das profundezas das águas.
[15] Não me arraste a corrente das águas, nem me tragues a voragem, nem se feche sobre mim a boca do poço.
[16] Responde-me, SENHOR, pois compassiva é a tua graça; volta-te para mim segundo a riqueza das tuas misericórdias.

[17] Não escondas o rosto ao teu servo, pois estou atribulado; responde-me depressa.

[18] Aproxima-te de minha alma e redime-a; resgata-me por causa dos meus inimigos.

[19] Tu conheces a minha afronta, a minha vergonha e o meu vexame; todos os meus adversários estão à tua vista.

[20] O opróbrio partiu-me o coração, e desfaleci; esperei por piedade, mas debalde; por consoladores, e não os achei.

[10]Ngakhala, umphefumulo wami wazila; kwaba ngukudunyazwa kwami.
[11]Isaka ngalenza isambatho sami; ngaba yisaga kubo.

[12] Abahlezi esangweni bakhuluma ngami; izidakwa ziyangihaya.

[13] Kodwa mina, umkhuleko wami ukuwe Jehova esikhathini sokuzwelwa, Nkulunkulu; ngenxa yomusa wakho omkhulu ngiphendule eqiniswenі lensindiso yakho.
[14]Ngikhiphe odakeni, mangingashoni; mangisindiswe kubo abangizondayo, nasemanzini alutwa.
[15]Isikhukhula samanzi masingangicwilisi, utwa lungangigwinyi, umgodi ungangivaleli emlonyeni wawo.

[16]Ngiphendule, Jehova, ngokuba umusa wakho ulungile; uphendukele kimi ngokobubele bakho obukhulu.

[17] Ungayifihleli inceku yakho ubuso bakho, ngokuba ngiyahlupheka; shesha ungiphendule.
[18]Sondela kuwo umphefumulo wami, uwuhlenge, ngikhulule ngenxa yezitha zami.
[19]Wena uyakwazi ukuthukwa kwami, namahloni ami nokudunyazwa kwami; zonke izitha zami ziphambi kwakho.
[20]Ukuthukwa kuyaphulile inhliziyo yami, ngigula kakhulu; bengibheka ukuhawukelwa, kepha akwabakho, nabaduduzayo, kepha angibatholanga.

[21] Por alimento me deram fel e na minha sede me deram a beber vinagre.

[22] Sua mesa torne-se-lhes diante deles em laço, e a prosperidade, em armadilha.

[23] Obscureçam-se-lhes os olhos, para que não vejam; e faze que sempre lhes vacile o dorso.

[24] Derrama sobre eles a tua indignação, e que o ardor da tua ira os alcance.

[25] Fique deserta a sua morada, e não haja quem habite as suas tendas.

[26] Pois perseguem a quem tu feriste e acrescentam dores àquele a quem golpeaste.

[27] Soma-lhes iniqüidade à iniqüidade, e não gozem da tua absolvição.

[28] Sejam riscados do Livro dos Vivos e não tenham registro com os justos.

[29] Quanto a mim, porém, amargurado e aflito, ponha-me o teu socorro, ó Deus, em alto refúgio.

[30] Louvarei com cânticos o nome de Deus, exaltá-lo-ei com ações de graças.

[31] Será isso muito mais agradável ao SENHOR do que um boi ou um novilho com chifres e unhas.

[32] Vejam isso os aflitos e se alegrem; quanto a vós outros que buscais a Deus, que o vosso coração reviva.

[33] Porque o SENHOR responde aos necessitados e não despreza os seus prisioneiros.

[21] Banginika inyongo ibe ngukudla kwami; ekomeni kwami bangiphuzisa uviniga.

[22] Itafula labo malibe yisihibe phambi kwabo, libe lugibe kwabahlezi bezithulele.

[23]Amehlo abo mawafiphale, ukuze bangaboni; izinkalo zabo zintengezele njalo.

[24]Thela phezu kwabo ukunengwa kwakho; intukuthelo yakho evuthayo mayibafice.

[25] Umuzi wabo mawuchitheke; makungabikho ohlala ematendeni abo.

[26]Ngokuba oshaywe nguwe bayamzingela, baxoxa ngobuhlungu bezinkubela zakho.

[27] Yengezela ukona ekoneni kwabo; mabangezi ekulungeni kwakho.

[28] Mabesulwe encwadini yabaphilayo, bangalotshwa kanye nabalungileyo.

[29]Mina kodwa ngihluphekile, ngibuhlungu; insindiso yakho, Nkulunkulu mayingilondoloze.

[30]Ngiyakulibonga ngehubo igama likaNkulunkulu, ngimphakamise ngokubonga.

[31] Kuyakuthandeka kuJehova kunenkomo, kunenkunzi enezimpondo nezinselo.

[32] Kuyakuthi abayizivi bekubona, bajabule; nina enifuna uNkulunkulu, inhliziyo yenu mayiphile.

[33] Ngokuba uJehova uyabalalela abampofu, neziboshwa zakhe akazideleli.

[34] Louvem-no os céus e a terra, os mares e tudo quanto neles se move.
[35] Porque Deus salvará Sião e edificará as cidades de Judá, e ali habitarão e hão de possuí-la.
[36] Também a descendência dos seus servos a herdará, e os que lhe amam o nome nela habitarão.

Salmo 70

Petição por auxílio divino
Salmo 40.13-17

Ao mestre de canto. De Davi. Em memória

[1] Praza-te, ó Deus, em livrar-me; dá-te pressa, ó SENHOR, em socorrer-me.
[2] Sejam envergonhados e cobertos de vexame os que me demandam a vida; tornem atrás e cubram-se de ignomínia os que se comprazem no meu mal.
[3] Retrocedam por causa da sua ignomínia os que dizem: Bem-feito! Bem-feito!
[4] Folguem e em ti se rejubilem todos os que te buscam; e os que amam a tua salvação digam sempre: Deus seja magnificado!
[5] Eu sou pobre e necessitado; ó Deus, apressa-te em valer-me, pois tu és o meu amparo e o meu libertador. SENHOR, não te detenhas!

Salmo 71

Súplicas de um ancião

[1] Em ti, SENHOR, me refugio; não seja eu jamais envergonhado.
[2] Livra-me por tua justiça e resgata-me; inclina-me os ouvidos e salva-me.

[34] Uyakubongwa yizulu nomhlaba, yizilwandle nakho konke okuphila kuzo.
[35]Ngokuba uNkulunkulu uzakulisindisa iSiyoni, akhe imizi yakwaJuda; bazakuhlala khona, ibe yifa labo.
[36] Inzalo yezinceku zakhe iyakulidla ifa; abathanda igama lakhe bayakuhlala kuyo.

AmaHubo 70

Umkhuleko wocela ukusizwa

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Elokukhumbuza.

[1] Nkulunkulu, phuthuma ungikhulule. Jehova, phuthuma ungisize.
[2]Mabajabhe, bayangaze abafuna umphefumulo wami. Mababuyiselwe emuva, bajabhiswe abangifisela umonakalo.
[3]Abathi ashila, ashila mababuyele emuva ngenxa yokuhlazeka kwabo.
[4]Mabethabe, bajabule kuwe bonke abakufunayo; abathanda insindiso yakho mabasho njalonjalo, bathi: Makabe mkhulu uNkulunkulu.
[5]Ngokuba mina ngihluphekile, ngimpofu; Nkulunkulu, ngiphuthumele. Wena uyinsizakalo yami nomkhululi wami; Jehova, ungalibali.

AmaHubo 71

Umkhuleko wocela ukusizwa

[1] Jehova, ngiyethemba wena; mangingajabhi naphakade.
[2]Ngikhulule ngokulunga kwakho, ungihlangulise; beka indlebe yakho kimi, ungisindise.

[3] Sê tu para mim uma rocha habitável em que sempre me acolha; ordenaste que eu me salve, pois tu és a minha rocha e a minha fortaleza.

[4] Livra-me, Deus meu, das mãos do ímpio, das garras do homem injusto e cruel.

[5] Pois tu és a minha esperança, SENHOR Deus, a minha confiança desde a minha mocidade.

[6] Em ti me tenho apoiado desde o meu nascimento; do ventre materno tu me tiraste, tu és motivo para os meus louvores constantemente.

[7] Para muitos sou como um portento, mas tu és o meu forte refúgio.

[8] Os meus lábios estão cheios do teu louvor e da tua glória continuamente.

[9] Não me rejeites na minha velhice; quando me faltarem as forças, não me desampares.

[10] Pois falam contra mim os meus inimigos; e os que me espreitam a alma consultam reunidos,

[11] dizendo: Deus o desamparou; persegui-o e prendei-o, pois não há quem o livre.

[12] Não te ausentes de mim, ó Deus; Deus meu, apressa-te em socorrer-me.

[13] Sejam envergonhados e consumidos os que são adversários de minha alma; cubram-se de opróbrio e de vexame os que procuram o mal contra mim.

[3] Yiba kimi idwala lokuhlala, ukuze ngiye kulo njalonjalo; ukuyalezile ukusindiswa kwami, ngokuba uyidwala lami nenqaba yami.

[4]Nkulunkulu wami, ngikhulule esandleni somubi, esandleni songalungile nesonakeleyo.

[5]Ngokuba wena uyithemba lami, Nkosi Jehova, ithemba lami kwasebusheni bami.

[6] Ngencike kuwe kwasesiswini; nguwe owangikhipha ezibilinini zikamame; ukudumisa kwami kuyakuba ngawe njalo.

[7]Nginjengesimangaliso kwabaningi, kepha wena uyisiphephelo sami esinamandla.

[8]Umlomo wami uzakugcwala ukubonga wena, nalo udumo lwakho usuku lonke.

[9]Ungangilahli esikhathini sobudala, ungangishiyi ekupheleni kwamandla ami,

[10]ngokuba izitha zami zikhuluma ngami, nabawuhlomele umphefumulo wami bayahlebelana,

[11]bathi: UNkulunkulu umshiyile; zingelani nimbambe, ngokuba akakho osindisayo.

[12] Nkulunkulu, ungabi kude nami; Nkulunkulu, phuthuma ungisize.

[13] Abamelene nomphefumulo wami mabajabhe, baphele; abangifunela umonakalo mabembathe amahloni nenhlamba.

[14] Quanto a mim, esperarei sempre e te louvarei mais e mais.

[14]Mina kodwa ngiyakwethemba njalo, ngengeze ukudumisa ekudunyisweni kwakho.

[15] A minha boca relatará a tua justiça e de contínuo os feitos da tua salvação, ainda que eu não saiba o seu número.

[15] Umlomo wami uyakulanda ukulunga kwakho, nensindiso yakho lonke usuku; ngokuba anginakukubala.

[16] Sinto-me na força do SENHOR Deus; e rememoro a tua justiça, a tua somente.

[16]Ngiyakuletha izenzo ezinqabileyo zeNkosi uJehova; ngiyakubonga ukulunga kwakho, okwakho kuphela.

[17] Tu me tens ensinado, ó Deus, desde a minha mocidade; e até agora tenho anunciado as tuas maravilhas.

[17]Nkulunkulu, ungifundisile kwasebusheni bami; ngizilandile izimangaliso zakho kuze kube manje.

[18] Não me desampares, pois, ó Deus, até à minha velhice e às cãs; até que eu tenha declarado à presente geração a tua força e às vindouras o teu poder.

[18] Futhi mawungangishiyi, nxa ngimdala, ngiyimpunga, ngize ngishumayele ingalo yakho kuso isizukulwane, amandla akho kubo bonke abezayo.

[19] Ora, a tua justiça, ó Deus, se eleva até aos céus. Grandes coisas tens feito, ó Deus; quem é semelhante a ti?

[19] Ukulunga kwakho, Nkulunkulu, kufinyelele ezulwini; wena owenze izinto ezinkulu, Nkulunkulu, ngubani onjengawe na?

[20] Tu, que me tens feito ver muitas angústias e males, me restaurarás ainda a vida e de novo me tirarás dos abismos da terra.

[20] Wena owasizwisa izinhlupheko eziningi ezimbi, uyakubuye usiphilise, usikhuphule ezinzulwini zomhlaba.

[21] Aumenta a minha grandeza, conforta-me novamente.

[21] Yandisa udumo lwami, ubuye ungiduduze.

[22] Eu também te louvo com a lira, celebro a tua verdade, ó meu Deus; cantar-te-ei salmos na harpa, ó Santo de Israel.

[22]Yikhona nami ngizakububonga ubuqotho bakho, Nkulunkulu wami, ngogubhu lwezintambo; ngizakukudumisa ngehabhu wena oNgcwele ka-Israyeli.

[23] Os meus lábios exultarão quando eu te salmodiar; também exultará a minha alma, que remiste.

[23] Izindebe zami zizakujabula, ngokuba ngizakukudumisa wena, nomphefumulo wami owuhlengileyo.

[24] Igualmente a minha língua celebrará a tua justiça todo o dia; pois estão envergonhados e confundidos os que procuram o mal contra mim.

[24]Ulimi lwami futhi luzakukhuluma lonke usuku ngokulunga; ngokuba badunyaziwe, bajabhisiwe abangifunela umonakalo.

Salmo 72

O rei justo e o seu reinado eterno
Salmo de Salomão

[1] Concede ao rei, ó Deus, os teus juízos e a tua justiça, ao filho do rei.

[2] Julgue ele com justiça o teu povo e os teus aflitos, com eqüidade.

[3] Os montes trarão paz ao povo, também as colinas a trarão, com justiça.

[4] Julgue ele os aflitos do povo, salve os filhos dos necessitados e esmague ao opressor.

[5] Ele permanecerá enquanto existir o sol e enquanto durar a lua, através das gerações.

[6] Seja ele como chuva que desce sobre a campina ceifada, como aguaceiros que regam a terra.

[7] Floresça em seus dias o justo, e haja abundância de paz até que cesse de haver lua.

[8] Domine ele de mar a mar e desde o rio até aos confins da terra.

[9] Curvem-se diante dele os habitantes do deserto, e os seus inimigos lambam o pó.

[10] Paguem-lhe tributos os reis de Társis e das ilhas; os reis de Sabá e de Sebá lhe ofereçam presentes.

AmaHubo 72

Ukukhulekela ogcotshiweyo kaNkulunkulu
ElikaSolomoni.

[1] Nkulunkulu, nika inkosi izahlulelo zakho nendodana yenkosi ukulunga kwakho.

[2]Iyakwahlulela isizwe sakho ngeqiniso nezihlupheki zakho ngemfanelo.

[3] Izintaba ziyakuletha ukuthula kubantu; kanjalo namagquma, ngokulunga.

[4] Izakubahlulela abahluphekileyo kubantu, isindise abantwana babampofu, imphohloze onokhahlo.

[5] Bayakwesaba wena, kusekhona ilanga nenyanga, izizukulwane ngezizukulwane.

[6]Iyakwehla njengemvula edlelweni, njengesihlambi esimatisa umhlaba.

[7] Ezinsukwini zayo olungileyo uyakuqhakaza, kuvame ukuthula, ize ingabikho inyanga.

[8] Iyakubusa kusukela elwandle kuze kube selwandle, kusukela emfuleni kuze kube semikhawulweni yomhlaba.

[9] Abakhe ehlane bayakukhothama phambi kwayo; izitha zayo zizakukhotha uthuli.

[10] Amakhosi aseTharishishi naweseziqhingini ayakuletha izipho;

amakhosi aseSheba naseSeba ayakwethula izipho.

11 E todos os reis se prostrem perante ele; todas as nações o sirvam.

11Onke amakhosi ayakuziwisa phambi kwayo; zonke izizwe ziyakuyikhonza.

12 Porque ele acode ao necessitado que clama e também ao aflito e ao desvalido.

12Ngokuba iyakukhulula ompofu ozikhalela kuyo, nohluphekayo ongenamsizi.

13 Ele tem piedade do fraco e do necessitado e salva a alma aos indigentes.

13Iyakuhawukela odangeleyo nompofu; iyakusindisa imiphefumulo yabampofu.

14 Redime a sua alma da opressão e da violência, e precioso lhe é o sangue deles.

14 Iyakukhulula umphefumulo wabo okhahlweni nasendluzuleni; igazi labo liyakuba yigugu emehlweni ayo.

15 Viverá, e se lhe dará do ouro de Sabá; e continuamente se fará por ele oração, e o bendirão todos os dias.

15Iyakuphila, bayinike igolide laseSheba, bayithandazele njalo, bayibusise lonke usuku.

16 Haja na terra abundância de cereais, que ondulem até aos cimos dos montes; seja a sua messe como o Líbano, e das cidades floresçam os habitantes como a erva da terra.

16 Kuyakuba khona inala kakolweni ezweni esiqongweni sezintaba; ukudla kwalo kuyakuhashazela njengeLebanoni; abemizi bayakukhahlela njengotshani bomhlaba.

17 Subsista para sempre o seu nome e prospere enquanto resplandecer o sol; nele sejam abençoados todos os homens, e as nações lhe chamem bem-aventurado.

17 Igama layo liyakuma kuze kube phakade; igama layo liyakuxhanta, lisekhona ilanga; bayakuzibusisa ngayo; bonke abezizwe bayakuthi ibusisiwe.

18 Bendito seja o SENHOR Deus, o Deus de Israel, que só ele opera prodígios.

18 Makabongwe uJehova uNkulunkulu, uNkulunkulu ka-Israyeli, onguye yedwa owenza izimangaliso.

19 Bendito para sempre o seu glorioso nome, e da sua glória se encha toda a terra. Amém e amém!

19 Malibongwe igama lakhe lenkazimulo kuze kube phakade, umhlaba wonke ugcwale inkazimulo yakhe. Amen, Amen.

20 Findam as orações de Davi, filho de Jessé.

20Imikhuleko kaDavide indodana kaJese isaphelile.

Livro III

Salmos 73 - 89

Incwadi Yesithathu

Amahubo 73 -- 89

Salmo 73

O problema da prosperidade dos maus

AmaHubo 73

Umkhuleko wowethemba uNkulunkulu

Salmo de Asafe

[1] Com efeito, Deus é bom para com Israel, para com os de coração limpo.

[2] Quanto a mim, porém, quase me resvalaram os pés; pouco faltou para que se desviassem os meus passos.

[3] Pois eu invejava os arrogantes, ao ver a prosperidade dos perversos.

[4] Para eles não há preocupações, o seu corpo é sadio e nédio.

[5] Não partilham das canseiras dos mortais, nem são afligidos como os outros homens.

[6] Daí, a soberba que os cinge como um colar, e a violência que os envolve como manto.

[7] Os olhos saltam-lhes da gordura; do coração brotam-lhes fantasias.

[8] Motejam e falam maliciosamente; da opressão falam com altivez.

[9] Contra os céus desandam a boca, e a sua língua percorre a terra.

[10] Por isso, o seu povo se volta para eles e os tem por fonte de que bebe a largos sorvos.

[11] E diz: Como sabe Deus? Acaso, há conhecimento no Altíssimo?

[12] Eis que são estes os ímpios; e, sempre tranqüilos, aumentam suas riquezas.

[13] Com efeito, inutilmente conservei puro o coração e lavei as mãos na inocência.

[14] Pois de contínuo sou afligido e cada manhã, castigado.

Ihubo lika-Asafa.

[1] Impela uNkulunkulu umnene ku-Israyeli, kubo abanenhliziyo ehlanzekileyo.

[2]Kepha mina, izinyawo zami zicishe zakhubeka; kwaba kancane ukuba izinyathelo zami zishelele.

[3] Ngokuba ngaba nomhawu ngabazidlayo, lapho ngibona ukubusa kwababi.

[4]Ngokuba abanabuhlungu kuze kube sekufeni kwabo, namandla abo aqinile.

[5]Abahlupheki njengabanye abantu; abahlushwa njengabanye abantu.

[6]Ngakho-ke iqholo lingumnaka wabo; indluzula ibembesa njengengubo.

[7] Amehlo abo aphinqekile ngokunona; imicabango yenhliziyo iyachichima.

[8]Bayaklolodela; ebubini bakhuluma ngokukhahla; bakhuluma besekuphakamemi.

[9]Umlomo wabo bawuphakamisela ezulwini; ulimi lwabo luhambela emhlabeni.

[10]Ngakho-ke isizwe sakhe sibuyela lapha; amanzi amaningi bazimuncela wona.

[11] Bathi: UNkulunkulu wazi kanjani na? Imbala kukhona ukwazi koPhezukonke na?

[12] Bheka, laba bayibo ababi; bazinza njalo; bandisa imfuyo.

[13]Impela ngiyihlanzele ize inhliziyo yami, ngahlamba izandla zami ngingenacala,

[14]ngokuba ngahlushwa usuku lonke; kwasa ngijeziswa.

[15] Se eu pensara em falar tais palavras, já aí teria traído a geração de teus filhos.

[16] Em só refletir para compreender isso, achei mui pesada tarefa para mim;

[17] até que entrei no santuário de Deus e atinei com o fim deles.

[18] Tu certamente os pões em lugares escorregadios e os fazes cair na destruição.

[19] Como ficam de súbito assolados, totalmente aniquilados de terror!

[20] Como ao sonho, quando se acorda, assim, ó SENHOR, ao despertares, desprezarás a imagem deles.

[21] Quando o coração se me amargou e as entranhas se me comoveram,

[22] eu estava embrutecido e ignorante; era como um irracional à tua presença.

[23] Todavia, estou sempre contigo, tu me seguras pela minha mão direita.

[24] Tu me guias com o teu conselho e depois me recebes na glória.

[25] Quem mais tenho eu no céu? Não há outro em quem eu me compraza na terra.

[26] Ainda que a minha carne e o meu coração desfaleçam, Deus é a fortaleza do meu coração e a minha herança para sempre.

[27] Os que se afastam de ti, eis que perecem; tu destróis todos os que são infiéis para contigo.

[28] Quanto a mim, bom é estar junto a Deus; no SENHOR Deus ponho o meu refúgio, para proclamar todos os seus feitos.

[15]Uma bengithe, ngizakukhuluma kanjalo, bheka, ngabe ngisikhohlisile isizukulwane sabantwana bakho.

[16]Kwathi ngicabanga ukuba ngikuqonde lokho, kwaba luhlupho emehlweni ami,

[17]ngaze ngangena endlini engcwele kaNkulunkulu, ngaqaphelisisa ukugcina kwabo.

[18] Impela ubabeka ezindaweni ezibushelezi; ubawisa babe yincithakalo.

[19]Maye, bachithwa ngokuphazima kweso! Bashona, babhubha benovalo.

[20] Njengephupho ekuphaphameni, Nkosi, uyakudelela umfanekiso wabo ekuvukeni kwakho.

[21]Kwathi inhliziyo yami yaba nomunyu, kuhlaba ezinsweni zami,

[22]ngaba yisiphukuphuku, angaqonda lutho; ngaba yisilwane kuwe.

[23]Kepha mina ngiyakube ngikuwe njalo; ungibambile ngesandla sami sokunene.

[24] Uyakungihola ngesiluleko sakho, andukuba ungamukele enkazimulweni.

[25]Nginobani ezulwini na? Uma nginawe, angifuni lutho emhlabeni.

[26] Inyama yami nenhliziyo yami iyaphela; nokho uNkulunkulu uyidwala lenhliziyo yami nesabelo sami kuze kube phakade.

[27]Ngokuba bheka, abakude nawe bayakubhubha; uyabachitha bonke abahlubukayo kuwe ngokuphinga.

[28]Kepha mina kungilungele ukusondela kuNkulunkulu; ngenzile iNkosi uJehova

ibe yisiphephelo sami, ukuze ngishumayele zonke izenzo zakho.

Salmo 74

Lamento por causa da profanação
Salmo didático de Asafe

[1] Por que nos rejeitas, ó Deus, para sempre? Por que se acende a tua ira contra as ovelhas do teu pasto?

[2] Lembra-te da tua congregação, que adquiriste desde a antiguidade, que remiste para ser a tribo da tua herança; lembra-te do monte Sião, no qual tens habitado.

[3] Dirige os teus passos para as perpétuas ruínas, tudo quanto de mau tem feito o inimigo no santuário.

[4] Os teus adversários bramam no lugar das assembléias e alteiam os seus próprios símbolos.

[5] Parecem-se com os que brandem machado no espesso da floresta,

[6] e agora a todos esses lavores de entalhe quebram também, com machados e martelos.

[7] Deitam fogo ao teu santuário; profanam, arrasando-a até ao chão, a morada do teu nome.

[8] Disseram no seu coração: Acabemos com eles de uma vez. Queimaram todos os lugares santos de Deus na terra.

[9] Já não vemos os nossos símbolos; já não há profeta; nem, entre nós, quem saiba até quando.

AmaHubo 74

Ukukhala ngethempeli elingcolisiweyo
IMaskili lika-Asafa.

[1]Nkulunkulu, usilahleleni kuze kube phakade na? Intukuthelo yakho ithunqelelani izimvu zedlelo lakho na?

[2]Khumbula ibandla lakho owalizuza endulo, owalikhulula ukuba libe yisifunda sefa lakho, nentaba yaseSiyoni ohlala kuyo.

[3]Lulamisela izinyawo zakho emidilikweni yaphakade; isitha sone konke endlini engcwele.

[4]Izitha zakho zibhongile phakathi kwendlu yakho yokubuthana, zamisa izimpawu zazo zaba yizimpawu.

[5]Zaba sengathi abantu baphakamisa amazembe emithini eminyeneyo.

[6] Konke okubaziweyo kwayo sezikuphohloze ngembazo nangesando.

[7] Zayokhela indlu yakho engcwele; indlu yegama lakho zayidumaza kwaze kwaba phansi emhlabathini.

[8]Zathi enhliziyweni yazo: Masibachithe kanyekanye, zashisa zonke izindlu zokubuthana zikaNkulunkulu ezweni.

[9] Izimpawu zethu asiziboni; akusekho mprofethi; akakho kithina owaziyo ukuthi koze kube nini.

[10] Até quando, ó Deus, o adversário nos afrontará? Acaso, blasfemará o inimigo incessantemente o teu nome?

[10]Nkulunkulu, koze kube nini umcindezeli ethuka, isitha sihlambalaza igama lakho njalo, na?

[11] Por que retrais a mão, sim, a tua destra, e a conservas no teu seio?

[11]Usihoshelani isandla sakho, isandla sakho sokunene, na? Sihoshe esifubeni sakho, uzichithe.

[12] Ora, Deus, meu Rei, é desde a antiguidade; ele é quem opera feitos salvadores no meio da terra.

[12]Nokho uNkulunkulu uyiNkosi yami kwaphakade eyenza insindiso emhlabeni.

[13] Tu, com o teu poder, dividiste o mar; esmagaste sobre as águas a cabeça dos monstros marinhos.

[13] Nguwena owahlukanisa ulwandle ngamandla akho, wachofoza amakhanda ezilo ezesabekayo emanzini.

[14] Tu espedaçaste as cabeças do crocodilo e o deste por alimento às alimárias do deserto.

[14]Nguwena owaphohloza amakhanda kaLeviyathani, wamnika abe ngukudla kwezidalwa zasehlane.

[15] Tu abriste fontes e ribeiros; secaste rios caudalosos.

[15] Nguwena owaqhamukisa isiphethu nomfudlana; nguwe owomisa imifula egobhoza njalo.

[16] Teu é o dia; tua, também, a noite; a luz e o sol, tu os formaste.

[16] Usuku ngolwakho, nobusuku ngobakho; nguwena owenza ukukhanya nelanga.

[17] Fixaste os confins da terra; verão e inverno, tu os fizeste.

[17]Nguwena owamisa yonke imikhawulo yomhlaba; nguwe owenza ihlobo nobusika.

[18] Lembra-te disto: o inimigo tem ultrajado ao SENHOR, e um povo insensato tem blasfemado o teu nome.

[18]Khumbula lokhu, Jehova, ukuthi isitha sithukile, nesizwe esinobuwula silihlambalazile igama lakho.

[19] Não entregues à rapina a vida de tua rola, nem te esqueças perpetuamente da vida dos teus aflitos.

[19]Ungawunikeli umphefumulo wejuba lakho esilwaneni; ungakhohlwa ukuphila kwezihlupheki zakho njalo.

[20] Considera a tua aliança, pois os lugares tenebrosos da terra estão cheios de moradas de violência.

[20]Khumbula isivumelwano, ngokuba izindawo ezimnyama zezwe zigcwele izindlu zobudlova.

[21] Não fique envergonhado o oprimido; louvem o teu nome o aflito e o necessitado.
[22] Levanta-te, ó Deus, pleiteia a tua própria causa; lembra-te de como o ímpio te afronta todos os dias.
[23] Não te esqueças da gritaria dos teus inimigos, do sempre crescente tumulto dos teus adversários.

Salmo 75

Deus é juiz

Ao mestre de canto, segundo a melodia “Não destruas”. Salmo de Asafe. Cântico

[1] Graças te rendemos, ó Deus; graças te rendemos, e invocamos o teu nome, e declaramos as tuas maravilhas.

[2] Pois disseste: Hei de aproveitar o tempo determinado; hei de julgar retamente.

[3] Vacilem a terra e todos os seus moradores, ainda assim eu firmarei as suas colunas.
[4] Digo aos soberbos: não sejais arrogantes; e aos ímpios: não levanteis a vossa força.
[5] Não levanteis altivamente a vossa força, nem faleis com insolência contra a Rocha.
[6] Porque não é do Oriente, não é do Ocidente, nem do deserto que vem o auxílio.

[7] Deus é o juiz; a um abate, a outro exalta.

[8] Porque na mão do SENHOR há um cálice cujo vinho espuma, cheio de mistura; dele dá a beber; sorvem-no, até às escórias, todos os ímpios da terra.

[21]Ocindezelweyo makangabuyi ejabhile; ohluphekayo nompofu mababonge igama lakho.
[22]Vuka, Nkulunkulu, uyimele indaba yakho; khumbula ukuthi uklolodelwa yiziwula usuku lonke.
[23]Ungakhohlwa izwi lezitha zakho, ukuxokozela kwabakuvukelayo okwenyukela njalonjalo.

AmaHubo 75

Umahluleli wezwe nesitsha sakhe sentukuthelo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. Ihubo lika-Asafa. Igama.

[1]Siyakubonga, Nkulunkulu, siyabonga; igama lakho liseduze; balanda izimangaliso zakho.

[2] Lapho ngiyakugcina isikhathi esimisiweyo, ngiyakwahlulela ngokulunga.
[3] Umhlaba uyancibilika nabo bonke abakhe kuwo; mina ngimisile izinsika zawo. *Sela*
[4] Ngithe kwabazidlayo: Ningazidli, nakwababi: Ningaphakamisi uphondo.
[5]Ningaluphakamiseli phezulu uphondo lwenu, ningajoqi ngentamo elukhuni.
[6]Ngokuba ukuphakanyiswa akuveli empumalanga nasentshonalanga nasehlane lasezintabeni,
[7] kepha uNkulunkulu ungumahluleli; omunye uyamehlisa, omunye amphakamise.

[8] Ngokuba esandleni seNkosi kukhona isitsha; iwayini liyakhephuza; sigcwele ngeliqungiweyo, yona iyathulula ngaso;

[9] Quanto a mim, exultarei para sempre; salmodiarei louvores ao Deus de Jacó.

[10] Abaterei as forças dos ímpios; mas a força dos justos será exaltada.

impela bonke ababi emhlabeni bayakuyimunca inhleze yalo, bayiphuze.

[9]Kepha mina ngiyakumemezela ngakho kuze kube phakade, ngidumise uNkulunkulu kaJakobe.

[10]Zonke izimpondo zababi ngiyakuzinquma; kepha izimpondo zolungileyo ziyakuphakanyiswa.

Salmo 76

A majestade e o poder de Deus
Ao mestre de canto, com instrumentos de cordas. Salmo de Asafe. Cântico

[1] Conhecido é Deus em Judá; grande, o seu nome em Israel.

[2] Em Salém, está o seu tabernáculo, e, em Sião, a sua morada.

[3] Ali, despedaçou ele os relâmpagos do arco, o escudo, a espada e a batalha.

[4] Tu és ilustre e mais glorioso do que os montes eternos.

[5] Despojados foram os de ânimo forte; jazem a dormir o seu sono, e nenhum dos valentes pode valer-se das próprias mãos.

[6] Ante a tua repreensão, ó Deus de Jacó, paralisaram carros e cavalos.

[7] Tu, sim, tu és terrível; se te iras, quem pode subsistir à tua vista?

[8] Desde os céus fizeste ouvir o teu juízo; tremeu a terra e se aquietou,

[9] ao levantar-se Deus para julgar e salvar todos os humildes da terra.

AmaHubo 76

UNkulunkulu ungumahluleli nomkhululi
Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. Ihubo lika-Asafa. Igama.

[1] UNkulunkulu uyaziwa kwaJuda, igama lakhe likhulu kwa-Israyeli.

[2]Itabernakele lakhe liseSalema, nendlu yakhe iseSiyoni.

[3] Waphula lapho imicibisholo yomnsalo, nesihlangu, nenkemba, nempi. ***Sela***

[4]Uyakhazimula ngobukhosi, lapho uvela ezintabeni zempango.

[5] Bachithekile abaqinile ngenhliziyo, balele ubuthongo babo; amaqhawe awafumanisanga izandla zawo.

[6]Ngokusola kwakho, Nkulunkulu kaJakobe, kwehlelwa ngubuthongo inqola kanye nehhashi.

[7] Wena, yebo, wena uyesabeka; ngubani ongema ebusweni bakho ngesikhathi solaka lwakho na?

[8]Wezwakalisa ukwahlulela kuvela ezulwini; umhlaba wesaba, wathula

[9]mhla evuka uNkulunkulu ukuba ahlulele, asindise bonke abathobekileyo bomhlaba. ***Sela***

[10] Pois até a ira humana há de louvar-te; e do resíduo das iras te cinges.

[11] Fazei votos e pagai-os ao SENHOR, vosso Deus; tragam presentes todos os que o rodeiam, àquele que deve ser temido.

[12] Ele quebranta o orgulho dos príncipes; é tremendo aos reis da terra.

Salmo 77

As grandes obras e a misericórdia de Deus

Ao mestre de canto, Jedutum. Salmo de Asafe

[1] Elevo a Deus a minha voz e clamo, elevo a Deus a minha voz, para que me atenda.

[2] No dia da minha angústia, procuro o SENHOR; erguem-se as minhas mãos durante a noite e não se cansam; a minha alma recusa consolar-se.

[3] Lembro-me de Deus e passo a gemer; medito, e me desfalece o espírito.

[4] Não me deixas pregar os olhos; tão perturbado estou, que nem posso falar.

[5] Penso nos dias de outrora, trago à lembrança os anos de passados tempos.

[6] De noite indago o meu íntimo, e o meu espírito perscruta.

[7] Rejeita o SENHOR para sempre? Acaso, não torna a ser propício?

[10] Ngokuba ulaka lomuntu luyakukudumisa; insalelo yolaka uyakuyibhinca.

[11] Thembisani, nigcwalise izithembiso kuJehova uNkulunkulu wenu. Bonke abamzungezileyo mabalethe izipho kuye owEsabekayo.

[12] Uyanquma umoya wezikhulu, wesabeka kuwo amakhosi omhlaba.

AmaHubo 77

UNkulunkulu waphakade uyisiphephelo sabantu bakhe

Kumholi wokuhlabelela. KuJeduthuni. Elika-Asafa. Ihubo.

[1]Izwi lami ngiyakuliphakamisela kuNkulunkulu, ngikhale kuNkulunkulu ukuba angibekele indlebe.

[2] Osukwini losizi lwami ngiyayifuna iNkosi; ebusuku isandla sami seluliwe, asidangali; umphefumulo wami wala ukududuzwa.

[3] Ngiyamkhumbula uNkulunkulu ngibubula; ngiyazindla, umoya wami uyaphela amandla. ***Sela***

[4] Uzibambile izinkophe zamehlo ami, angavaleki; ngikhathazekile, angisakwazi ukukhuluma.

[5] Ngiyazindla ngezinsuku zasendulo, ngeminyaka yaphakade.

[6]Ebusuku ngiyakhumbula ukubetha kwami ugubhu, ngizindla enhliziyweni yami; nomoya wami uyahlolisisa.

[7] INkosi iyakulahla kuze kube phakade na? Ayisenakuphinda ibe nomusa na?

[8] Cessou perpetuamente a sua graça? Caducou a sua promessa para todas as gerações?
[9] Esqueceu-se Deus de ser benigno? Ou, na sua ira, terá ele reprimido as suas misericórdias?

[10] Então, disse eu: isto é a minha aflição; mudou-se a destra do Altíssimo.

[11] Recordo os feitos do SENHOR, pois me lembro das tuas maravilhas da antiguidade.
[12] Considero também nas tuas obras todas e cogito dos teus prodígios.

[13] O teu caminho, ó Deus, é de santidade. Que deus é tão grande como o nosso Deus?

[14] Tu és o Deus que operas maravilhas e, entre os povos, tens feito notório o teu poder.

[15] Com o teu braço remiste o teu povo, os filhos de Jacó e de José.

[16] Viram-te as águas, ó Deus; as águas te viram e temeram, até os abismos se abalaram.
[17] Grossas nuvens se desfizeram em água; houve trovões nos espaços; também as suas setas cruzaram de uma parte para outra.

[18] O ribombar do teu trovão ecoou na redondeza; os relâmpagos alumiaram o mundo; a terra se abalou e tremeu.

[8]Umusa wayo unqamukile njalo yini na? Isithembiso siphelile yini ezizukulwaneni ngezizukulwane na?
[9]UNkulunkulu ukhohliwe ukuba abe nomusa na? Uvalele ububele bakhe ngolaka na? ***Sela***
[10] Ngase ngithi: Yilokhu ukuhlupheka kwami, ngokuba isandla sokunene soPhezukonke siphendukile.
[11]Ngiyakukhumbula izenzo zikaJehova, yebo, ngikhumbule izimangaliso zasendulo,
[12]ngicabange ngawo wonke umsebenzi wakho, ngizindle ngezenzo zakho.
[13] Indlela yakho, Nkulunkulu, isebungcweleni; ngubani ongunkulunkulu omkhulu njengoNkulunkulu na?
[14]Wena unguNkulunkulu owenza izimangaliso; amandla akho uwazisile ezizweni.
[15] Ngengalo yamandla wasindisa abantu bakho, amadodana kaJakobe noJosefa. ***Sela***
[16] Amanzi akubona, Nkulunkulu, amanzi akubona, athuthumela, nezintwa zazamazama.

[17]Amafu athela amanzi, izulu laduma, imicibisholo yakho yaphuma.

[18]Izwi lokuduma kwakho lalisesivunguvungwini; imibani yakhanyisa izwe; umhlaba wadikizela, wazamazama.

[19] Pelo mar foi o teu caminho; as tuas veredas, pelas grandes águas; e não se descobrem os teus vestígios.
[20] O teu povo, tu o conduziste, como rebanho, pelas mãos de Moisés e de Arão.

[19] Indlela yakho yayiselwandle, nomendo wakho wawusemanzini amaningi, kodwa izinyathelo zakho zazingaziwa.
[20] Wahola abantu bakho njengezimvu ngesandla sikaMose no-Aroni.

Salmo 78

A providência divina na história do seu povo

Salmo didático de Asafe

[1] Escutai, povo meu, a minha lei; prestai ouvidos às palavras da minha boca.

[2] Abrirei os lábios em parábolas e publicarei enigmas dos tempos antigos.

[3] O que ouvimos e aprendemos, o que nos contaram nossos pais,
[4] não o encobriremos a seus filhos; contaremos à vindoura geração os louvores do SENHOR, e o seu poder, e as maravilhas que fez.
[5] Ele estabeleceu um testemunho em Jacó, e instituiu uma lei em Israel, e ordenou a nossos pais que os transmitissem a seus filhos,
[6] a fim de que a nova geração os conhecesse, filhos que ainda hão de nascer se levantassem e por sua vez os referissem aos seus descendentes;
[7] para que pusessem em Deus a sua confiança e não se esquecessem dos feitos de Deus, mas lhe observassem os mandamentos;

[8] e que não fossem, como seus pais, geração obstinada e rebelde, geração de

AmaHubo 78

Isifundiso esivela endabeni yasendulo kwa-Israyeli

IMaskili lika-Asafa.

[1]Zwanini, bantu bami, umthetho wami, nibeke izindlebe zenu emazwini omlomo wami.

[2] Ngizakuvula umlomo wami ngomfanekiso, ngibonakalise izimfihlakalo zasendulo.

[3] Esikuzwileyo sakwazi, nawobaba abasitshela khona,
[4]asinakukufihla kubantwana babo, izindumiso zikaJehova zisitshele kuso isizukulwane esizayo, namandla akhe nezimangaliso zakhe azenzileyo.
[5] Ngokuba wamisa ubufakazi kwaJakobe, wabeka umthetho kwa-Israyeli, ayala ngawo obaba ukuba bafundise abantwana babo,

[6]ukuze isizukulwane esilandelayo sazi, abantwana abayakuzalwa, bavuke, batshele abantwana babo,

[7]babeke ithemba labo kuNkulunkulu, bangakhohlwa imisebenzi kaNkulunkulu, kepha bagcine imiyalo yakhe.

[8] Bangabi njengawoyise, isizukulwane esiphambeneyo nesihlubukayo, isizukulwane esingaqinisanga inhliziyo

coração inconstante, e cujo espírito não foi fiel a Deus.

[9] Os filhos de Efraim, embora armados de arco, bateram em retirada no dia do combate.

[10] Não guardaram a aliança de Deus, não quiseram andar na sua lei;

[11] esqueceram-se das suas obras e das maravilhas que lhes mostrara.

[12] Prodígios fez na presença de seus pais na terra do Egito, no campo de Zoã.

[13] Dividiu o mar e fê-los seguir; aprumou as águas como num dique.

[14] Guiou-os de dia com uma nuvem e durante a noite com um clarão de fogo.

[15] No deserto, fendeu rochas e lhes deu a beber abundantemente como de abismos.

[16] Da pedra fez brotar torrentes, fez manar água como rios.

[17] Mas, ainda assim, prosseguiram em pecar contra ele e se rebelaram, no deserto, contra o Altíssimo.

[18] Tentaram a Deus no seu coração, pedindo alimento que lhes fosse do gosto.

[19] Falaram contra Deus, dizendo: Pode, acaso, Deus preparar-nos mesa no deserto?

[20] Com efeito, feriu ele a rocha, e dela manaram águas, transbordaram caudais. Pode ele dar-nos pão também? Ou fornecer carne para o seu povo?

yaso, nesimoya waso wawungathembekile kuNkulunkulu.

[9]Abantu bakwa-Efrayimi, sebehlomile bephethe iminsalo, babuyela emuva ngosuku lokulwa.

[10] Abasigcinanga isivumelwano sikaNkulunkulu, benqaba ukuhamba emthethweni wakhe,

[11]bakhohlwa imisebenzi yakhe nezimangaliso zakhe abebabonisile zona.

[12] Wazenza izimangaliso emehlweni awoyise ezweni laseGibithe endaweni yaseSowani.

[13]Wahlukanisa ulwandle, wabawelisa; wamisa amanzi njengodonga.

[14] Wabahola ngefu emini, nobusuku bonke ngokukhanya komlilo.

[15] Waqhekeza amadwala ehlane, wabaphuzisa njengasotweni olujulileyo.

[16]Waphumisa edwaleni izifufula, wehlisa amanzi njengemifula.

[17]Nokho baqhubeka benza ukona kuye, baphambana noPhezukonke ehlane.

[18] Bamlinga uNkulunkulu enhliziyweni yabo ngokucela ukudla abakufisayo.

[19]Bakhuluma kabi ngoNkulunkulu, bathi: UNkulunkulu angalungisa isithebe ehlane na?

[20]Bhekani, washaya idwala, kwaphuma amanzi, nemifula yampompoza; kepha angabanika nesinkwa, alungisele abantu bakhe inyama, na?

[21] Ouvindo isto, o SENHOR ficou indignado; acendeu-se fogo contra Jacó, e também se levantou o seu furor contra Israel;

[22] porque não creram em Deus, nem confiaram na sua salvação.

[23] Nada obstante, ordenou às alturas e abriu as portas dos céus;

[24] fez chover maná sobre eles, para alimentá-los, e lhes deu cereal do céu.

[25] Comeu cada qual o pão dos anjos; enviou-lhes ele comida a fartar.

[26] Fez soprar no céu o vento do Oriente e pelo seu poder conduziu o vento do Sul.

[27] Também fez chover sobre eles carne como poeira e voláteis como areia dos mares.

[28] Fê-los cair no meio do arraial deles, ao redor de suas tendas.

[29] Então, comeram e se fartaram a valer; pois lhes fez o que desejavam.

[30] Porém não reprimiram o apetite. Tinham ainda na boca o alimento,

[31] quando se elevou contra eles a ira de Deus, e entre os seus mais robustos semeou a morte, e prostrou os jovens de Israel.

[32] Sem embargo disso, continuaram a pecar e não creram nas suas maravilhas.

[33] Por isso, ele fez que os seus dias se dissipassem num sopro e os seus anos, em súbito terror.

[21] Ngalokho uJehova ekuzwa lokho wathukuthela, kwavutha umlilo ngoJakobe, ulaka lwavuka ngo-Israyeli;

[22]ngokuba abakholwanga nguNkulunkulu, abathembanga ensindisweni yakhe.

[23]Nokho wayala amafu phezulu, wavula iminyango yezulu,

[24] wanisa phezu kwabo imana kube ngukudla, wabapha amabele ezulu;

[25]abantu badla isinkwa sezingelosi, bathunyelwa ukudla ngokugcweleyo.

[26] Waphumisa umoya wasempumalanga ezulwini; ngamandla akhe waqhuba umoya waseningizimu.

[27]Wawisa phezu kwabo inyama njengothuli, nezinyoni ezinamaphiko njengesihlabathi solwandle.

[28]Wakwehlisa phakathi kwekamu labo naphakathi kwezindlu zabo.

[29]Badla, basuthiswa kakhulu; baphiwa abakufisayo.

[30]Bebengakahlukani nokufisa kwabo, ukudla kwabo kusesemlonyeni wabo,

[31]intukuthelo kaNkulunkulu yabavukela, wabulala abakhulupheleyo babo, wawisa phansi izinsizwa zakwa-Israyeli.

[32] Nokho bona njalo, abakholwanga yizimangaliso zakhe.

[33] Ngakho waqedela izinsuku zabo ezeni neminyaka yabo ovalweni.

[34] Quando os fazia morrer, então, o buscavam; arrependidos, procuravam a Deus.

[35] Lembravam-se de que Deus era a sua rocha e o Deus Altíssimo, o seu redentor.

[36] Lisonjeavam-no, porém de boca, e com a língua lhe mentiam.

[37] Porque o coração deles não era firme para com ele, nem foram fiéis à sua aliança.

[38] Ele, porém, que é misericordioso, perdoa a iniqüidade e não destrói; antes, muitas vezes desvia a sua ira e não dá largas a toda a sua indignação.

[39] Lembra-se de que eles são carne, vento que passa e já não volta.

[40] Quantas vezes se rebelaram contra ele no deserto e na solidão o provocaram!

[41] Tornaram a tentar a Deus, agravaram o Santo de Israel.

[42] Não se lembraram do poder dele, nem do dia em que os resgatou do adversário;

[43] de como no Egito operou ele os seus sinais e os seus prodígios, no campo de Zoã;

[44] e converteu em sangue os rios deles, para que das suas correntes não bebessem.

[45] Enviou contra eles enxames de moscas que os devorassem e rãs que os destruíssem.

[46] Entregou às larvas as suas colheitas e aos gafanhotos, o fruto do seu trabalho.

[34]Lapho ebabulala, bamfuna; babuye bamfunisisa uNkulunkulu.

[35]Base bekhumbula ukuthi uNkulunkulu uyidwala labo; uNkulunkulu oPhezukonke ungumkhululi wabo.

[36] Kepha bamthopha ngomlomo wabo, baqamba amanga kuye ngolimi lwabo;

[37]ngokuba inhliziyo yabo yayingabambeleli kuye, bengathembekile esivumelwaneni sakhe.

[38] Kepha yena enesihawu wathethelela ububi babo, akabhubhisanga; yebo, wabamba kaningi intukuthelo yakhe, akavusanga lonke ulaka lwakhe.

[39] Wakhumbula ukuthi bayinyama, bangumoya odlulayo ongabuyiyo.

[40]Kwaba kaningi kangakanani bephambana naye ehlane, bemdabukisa kwahlongasibi.

[41]Babuye bamlinga uNkulunkulu, bamdabukisa oNgcwele ka-Israyeli.

[42]Abakhumbulanga isandla sakhe nosuku abahlenga ngalo ezitheni,

[43]lapho ezenza izibonakaliso zakhe eGibithe nezimangaliso zakhe endaweni yaseSowani.

[44] Waphendula lapho imifula yabo nemifudlana yabo yaba yigazi, ukuze bangabi nakuphuza.

[45] Wathumela phakathi kwabo izibawu ezabadlayo namasele ababhubhisayo.

[46] Wanika imiswenya ukudla kwabo, nomsebenzi wabo isikhonyane.

[47] Com chuvas de pedra lhes destruiu as vinhas e os seus sicômoros, com geada.
[48] Entregou à saraiva o gado deles e aos raios, os seus rebanhos.

[49] Lançou contra eles o furor da sua ira: cólera, indignação e calamidade, legião de anjos portadores de males.

[50] Deu livre curso à sua ira; não poupou da morte a alma deles, mas entregou-lhes a vida à pestilência.

[51] Feriu todos os primogênitos no Egito, as primícias da virilidade nas tendas de Cam.

[52] Fez sair o seu povo como ovelhas e o guiou pelo deserto, como um rebanho.

[53] Dirigiu-o com segurança, e não temeram, ao passo que o mar submergiu os seus inimigos.

[54] Levou-os até à sua terra santa, até ao monte que a sua destra adquiriu.

[55] Da presença deles expulsou as nações, cuja região repartiu com eles por herança; e nas suas tendas fez habitar as tribos de Israel.

[56] Ainda assim, tentaram o Deus Altíssimo, e a ele resistiram, e não lhe guardaram os testemunhos.

[57] Tornaram atrás e se portaram aleivosamente como seus pais; desviaram-se como um arco enganoso.

[47] Wabulala imivini yabo ngesichotho, nemikhiwane yabo ngesangquma.
[48]Wanikela izinkomo zabo esichothweni nezimvu zabo kuyo imibani.
[49] Waphonsa kubo ukuvutha kwentukuthelo yakhe, nolaka, nokufutheka, nokuhlupheka, ngokuthuma izithunywa zobubi.
[50]Walungisela intukuthelo yakhe indlela; akaphephisanga umphefumulo wabo ekufeni, kepha wanikela ukuphila kwabo ezifweni.
[51] Washaya amazibulo onke aseGibithe, okokuqala kwamandla abo ematendeni kaHamu.
[52] Kepha waphumisa abantu bakhe njengezimvu; wabahola ehlane njengomhlambi.

[53] Wabahola kahle, abaze besaba; kepha ulwandle lwasibekela izitha zabo.

[54] Wabayisa emnceleni wakhe ongcwele, entabeni esasiyizuzile isandla sakhe sokunene.

[55] Waxosha abezizwe phambi kwabo; edabula izwe wababela ifa, wahlalisa izizwe zakwa-Israyeli ematendeni azo.
[56] Nokho bamlinga, baphambana noNkulunkulu oPhezukonke, abaze bagcina imiyalo yakhe.
[57] Bahoshekela emuva, bakhohlisa njengawoyise, baphenduka njengomnsalo ogejayo.

58 Pois o provocaram com os seus altos e o incitaram a zelos com as suas imagens de escultura.

59 Deus ouviu isso, e se indignou, e sobremodo se aborreceu de Israel.

60 Por isso, abandonou o tabernáculo de Siló, a tenda de sua morada entre os homens,

61 e passou a arca da sua força ao cativeiro, e a sua glória, à mão do adversário.

62 Entregou o seu povo à espada e se encolerizou contra a sua própria herança.

63 O fogo devorou os jovens deles, e as suas donzelas não tiveram canto nupcial.

64 Os seus sacerdotes caíram à espada, e as suas viúvas não fizeram lamentações.

65 Então, o SENHOR despertou como de um sono, como um valente que grita excitado pelo vinho;

66 fez recuar a golpes os seus adversários e lhes cominou perpétuo desprezo.

67 Além disso, rejeitou a tenda de José e não elegeu a tribo de Efraim.

68 Escolheu, antes, a tribo de Judá, o monte Sião, que ele amava.

69 E construiu o seu santuário durável como os céus e firme como a terra que fundou para sempre.

70 Também escolheu a Davi, seu servo, e o tomou dos redis das ovelhas;

71 tirou-o do cuidado das ovelhas e suas crias, para ser o pastor de Jacó, seu povo, e de Israel, sua herança.

58 Bamthukuthelisa ngezindawo zabo eziphakemeyo, bamcunula ngezithombe zabo.

59 UNkulunkulu ekuzwa lokho wathukuthela, wamlahla impela u-Israyeli.

60 Walishiya itebernakele laseShilo, itende abelimisile phakathi kwabantu.

61 Wanikela amandla akhe ekuthunjweni, nenkazimulo yakhe esandleni sesitha.

62 Wanikela abantu bakhe enkembeni, wathukuthelela ifa lakhe.

63 Izinsizwa zabo zadliwa ngumlilo; izintombi zabo azihutshelwanga.

64 Abapristi babo bawa ngenkemba; abafelokazi babo abaze balila.

65 Yayisivuka iNkosi njengokade elele, njengesiqhwaga esikade sahlulwa yiwayini,

66 yazishayela emuva izitha zayo, yazithela ngehlazo eliphakade.

67 Yalahla indlu kaJosefa, ayikhethanga isizwe sakwa-Efrayimi.

68 Kepha yakhetha isizwe sakwaJuda, intaba yaseSiyoni eyithandayo.

69 Yayakha indlu yayo engcwele njengezintaba nanjengomhlaba ewusekeleyo kuze kube phakade.

70 Yakhetha uDavide inceku yayo, yamthabatha ezibayeni zezimvu.

71 Esalandele izimvukazi ezenyisayo, yamthabatha ukuba abeluse abantu bayo uJakobe, nefa layo u-Israyeli.

[72] E ele os apascentou consoante a integridade do seu coração e os dirigiu com mãos precavidas.

Salmo 79

O povo pede castigo contra os inimigos

Salmo de Asafe

[1] Ó Deus, as nações invadiram a tua herança, profanaram o teu santo templo, reduziram Jerusalém a um montão de ruínas.

[2] Deram os cadáveres dos teus servos por cibo às aves dos céus e a carne dos teus santos, às feras da terra.

[3] Derramaram como água o sangue deles ao redor de Jerusalém, e não houve quem lhes desse sepultura.

[4] Tornamo-nos o opróbrio dos nossos vizinhos, o escárnio e a zombaria dos que nos rodeiam.

[5] Até quando, SENHOR? Será para sempre a tua ira? Arderá como fogo o teu zelo?

[6] Derrama o teu furor sobre as nações que te não conhecem e sobre os reinos que não invocam o teu nome.

[7] Porque eles devoraram a Jacó e lhe assolaram as moradas.

[8] Não recordes contra nós as iniqüidades de nossos pais; apressem-se ao nosso encontro as tuas misericórdias, pois estamos sobremodo abatidos.

[9] Assiste-nos, ó Deus e Salvador nosso, pela glória do teu nome; livra-nos e perdoa-nos os pecados, por amor do teu nome.

[72]Njalo wabelusa ngobuqotho benhliziyo yakhe, wabahola ngenhlakanipho yesandla sakhe.

AmaHubo 79

Isililo sososizini olukhulu nomkhuleko wokusizwa

Ihubo lika-Asafa.

[1] Nkulunkulu, abezizwe bangenile efeni lakho; bangcolisile ithempeli lakho elingcwele; benze iJerusalema libe yincithakalo.

[2]Bazinikile izidumbu zezinceku zakho zibe ngukudla kwezinyoni zezulu, inyama yabakwesabayo kuzo izilo zomhlaba.

[3]Bachithile igazi labo njengamanzi nxazonke zeJerusalema, akwababikho obembelayo.

[4] Sesiyisihlamba kubakhelwane bethu, umbhinqo nenhlekiso kwabasiphahlileyo.

[5]Koze kube nini, Jehova, uthukuthele njalo, ukushisekela kwakho kuvutha njengomlilo, na?

[6] Thela ulaka lwakho phezu kwabezizwe abangakwaziyo naphezu kwemibuso engakhulekeli igama lakho.

[7]Ngokuba sebemdlile uJakobe, umuzi wakhe sebewuchithile.

[8]Mawungasibaleli amacala akuqala; umusa wakho mawusheshe usihlangabeze, ngokuba sesibuthakathaka kakhulu.

[9] Sisize, Nkulunkulu wensindiso yethu, ngenxa yenkazimulo yegama lakho; usikhulule, usithethelele izono zethu ngenxa yegama lakho.

[10] Por que diriam as nações: Onde está o seu Deus? Seja, à nossa vista, manifesta entre as nações a vingança do sangue que dos teus servos é derramado.

[11] Chegue à tua presença o gemido do cativo; consoante a grandeza do teu poder, preserva os sentenciados à morte.

[12] Retribui, SENHOR, aos nossos vizinhos, sete vezes tanto, o opróbrio com que te vituperaram.

[13] Quanto a nós, teu povo e ovelhas do teu pasto, para sempre te daremos graças; de geração em geração proclamaremos os teus louvores.

Salmo 80

Pedindo restaurações

Ao mestre de canto, segundo a melodia "Os lírios". Testemunho de Asafe. Salmo

[1] Dá ouvidos, ó pastor de Israel, tu que conduzes a José como um rebanho; tu que estás entronizado acima dos querubins, mostra o teu esplendor.

[2] Perante Efraim, Benjamim e Manassés, desperta o teu poder e vem salvar-nos.

[3] Restaura-nos, ó Deus; faze resplandecer o teu rosto, e seremos salvos.

[4] Ó SENHOR, Deus dos Exércitos, até quando estarás indignado contra a oração do teu povo?

[5] Dás-lhe a comer pão de lágrimas e a beber copioso pranto.

[10] Bangasholoni abezizwe ukuthi: Uphi uNkulunkulu wabo na? Makwazeke kwabezizwe emehlweni ethu ukuphindiselwa kwegazi lezinceku zakho elichithiweyo.

[11] Ukububula kwesiboshwa makuze phambi kwakho; londoloza ngobukhulu bengalo yakho asebengabantwana bokufa.

[12]Buyisela kubakhelwane bethu, kuphindwe kasikhombisa esifubeni sabo inhlamba abakuhlambalaza ngayo, Nkosi.

[13]Khona thina bantu bakho, izimvu zedlelo lakho, siyakukubonga kuze kube phakade, sishumayele udumo lwakho ezizukulwaneni ngezizukulwane.

AmaHubo 80

Umkhuleko wokusizwa kuka-Israyeli

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Iminduze; ubufakazi. Elika-Asafa. Ihubo.

[1] Yizwa, malusi ka-Israyeli, ohola uJosefa njengomhlambi, ohlezi phezu kwamakherubi; mawubonakale ngokukhazimula.

[2]Vusa amandla akho phambi kuka-Efrayimi noBenjamini noManase, uze ukusisindisa.

[3] Sibuyise, Nkulunkulu, ukhanyise ubuso bakho, khona siyakusindiswa.

[4]Jehova Nkulunkulu Sebawoti, koze kube nini uthunqela ngolaka umkhuleko wabantu bakho na?

[5] Wabapha isinkwa sezinyembezi, wabaphuzisa izinyembezi ngesilinganiso esikhulu.

[6] Constituis-nos em contendas para os nossos vizinhos, e os nossos inimigos zombam de nós a valer.

[7] Restaura-nos, ó Deus dos Exércitos; faze resplandecer o teu rosto, e seremos salvos.

[8] Trouxeste uma videira do Egito, expulsaste as nações e a plantaste.

[9] Dispuseste-lhe o terreno, ela deitou profundas raízes e encheu a terra.

[10] Com a sombra dela os montes se cobriram, e, com os seus sarmentos, os cedros de Deus.

[11] Estendeu ela a sua ramagem até ao mar e os seus rebentos, até ao rio.

[12] Por que lhe derribaste as cercas, de sorte que a vindimam todos os que passam pelo caminho?

[13] O javali da selva a devasta, e nela se repastam os animais que pululam no campo.

[14] Ó Deus dos Exércitos, volta-te, nós te rogamos, olha do céu, e vê, e visita esta vinha;

[15] protege o que a tua mão direita plantou, o sarmento que para ti fortaleceste.

[16] Está queimada, está decepada. Pereçam os nossos inimigos pela repreensão do teu rosto.

[17] Seja a tua mão sobre o povo da tua destra, sobre o filho do homem que fortaleceste para ti.

[6] Usenza sibe yinto ebangwa ngabakhelwane bethu, nezitha zethu zisihleka usulu.

[7]Sibuyise, Nkulunkulu Sebawoti, ukhanyise ubuso bakho, khona siyakusindiswa.

[8] Wakhipha umvini eGibithe, waxosha abezizwe, watshala wona.

[9]Wawulungisela indawo phambi kwawo, wagxila, wagcwalisa umhlaba.

[10]Izintaba zambozwa ngumthunzi wawo, nemisedari kaNkulunkulu ngamagatsha awo.

[11] Wenabisa amagatsha awo, aze afika elwandle, namaxhantela awo, aze afika emfuleni.

[12] Uzidilizeleni izintango zawo, baze bawukhe bonke abadlula ngendlela, na?

[13]Ingulube yasehlathini iyawudla, nezilwane zasendle ziyawuqothula.

[14]Nkulunkulu Sebawoti, mawubuye; bheka usezulwini, ubone, unakekele lo mvini,

[15] yebo, lo mvini otshalwe ngesokunene sakho, nendodana ozikhulisele yona.

[16]Ushiswe ngumlilo, unqunyiwe; bayakubhubha ngokukhuza kobuso bakho.

[17]Isandla sakho masibe phezu kwendoda yesokunene sakho, phezu kwendodana yomuntu ozikhulisele yona;

[18] E assim não nos apartaremos de ti; vivifica-nos, e invocaremos o teu nome.

[19] Restaura-nos, ó SENHOR, Deus dos Exércitos, faze resplandecer o teu rosto, e seremos salvos.

Salmo 81

Exortação a louvor e obediência

Ao mestre de canto, segundo a melodia “Os lagares”. Salmo de Asafe

[1] Cantai de júbilo a Deus, força nossa; celebrai o Deus de Jacó.

[2] Salmodiai e fazei soar o tamboril, a suave harpa com o saltério.

[3] Tocai a trombeta na Festa da Lua Nova, na lua cheia, dia da nossa festa.

[4] É preceito para Israel, é prescrição do Deus de Jacó.

[5] Ele o ordenou, como lei, a José, ao sair contra a terra do Egito. Ouço uma linguagem que eu não conhecera.

[6] Livrei os seus ombros do peso, e suas mãos foram livres dos cestos.

[7] Clamaste na angústia, e te livrei; do recôndito do trovão eu te respondi e te experimentei junto às águas de Meribá.

[8] Ouve, povo meu, quero exortar-te. Ó Israel, se me escutasses!

[9] Não haja no meio de ti deus alheio, nem te prostres ante deus estranho.

[18]khona asisayikuhoshekela emuva kuwe; siphilise, khona siyakukhuleka egameni lakho.

[19]Sibuyise, Jehova Nkulunkulu Sebawoti; ukhanyise ubuso bakho, khona siyakusindiswa.

AmaHubo 81

Ihubo lomkhosi

Kumholi wokuhlabelela. NgeGititi. Elika-Asafa.

[1]Halalisani uNkulunkulu amandla ethu, nimemeze ngokujabula kuNkulunkulu kaJakobe.

[2]Hlabani ihubo, nithathe isigubhu nehabhu elihle nogubhu.

[3] Bethani icilongo ekwethwaseni kwenyanga nasekuhlanganeni kwenyanga ngosuku lomkhosi wethu.

[4]Ngokuba kuyisimiso kwa-Israyeli nomthetho kaNkulunkulu kaJakobe.

[5]Kungubufakazi abumisayo kwaJosefa mhla ephuma ezweni laseGibithe. Ngizwa ulimi ebengingalwazi luthi:

[6] Ngasusa ihlombe lakhe emthwalweni, izandla zakhe zakhululeka eqomeni lokuthwala.

[7] Wakhuleka usosizini, ngakukhulula; ngakuphendula ngisekusithekeni kokuduma, ngakuvivinya ngasemanzini aseMeriba. *Sela*

[8] Zwanini, bantu bami, ngizakufakaza kini ukuthi: O Israyeli, sengathi ungangilalela!

[9] Makungabikho kuwe unkulunkulu omunye, ungakhuleki kunkulunkulu wabezizwe.

[10] Eu sou o SENHOR, teu Deus, que te tirei da terra do Egito. Abre bem a boca, e ta encherei.

[11] Mas o meu povo não me quis escutar a voz, e Israel não me atendeu.

[12] Assim, deixei-o andar na teimosia do seu coração; siga os seus próprios conselhos.

[13] Ah! Se o meu povo me escutasse, se Israel andasse nos meus caminhos!

[14] Eu, de pronto, lhe abateria o inimigo e deitaria mão contra os seus adversários.

[15] Os que aborrecem ao SENHOR se lhe submeteriam, e isto duraria para sempre.

[16] Eu o sustentaria com o trigo mais fino e o saciaria com o mel que escorre da rocha.

[10]Mina nginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhuphula ezweni laseGibithe; khamisa umlomo wakho, ngiwugcwalise.

[11] Kepha abantu bami abalalelanga izwi lami, u-Israyeli akanginakanga.

[12] Ngase ngibayeka enkanini yenhliziyo yabo ukuba bahambe ngokuthanda kwabo.

[13] Sengathi abantu bami bangangizwa, u-Israyeli ahambe ezindleleni zami.

[14]Bengiyakuthobisa masinyane izitha zabo, ngiselulele isandla sami kwabamelene nabo.

[15]Abazondi bakaJehova bebeyakuzithobela kuye, kepha isikhathi sabantu bami besiyakuba khona kuze kube phakade.

[16] Ubeyakubapha ukolweni omuhle; yebo, bengiyakubasuthisa ngezinyosi zasesiweni.

Salmo 82

Increpadas a injustiça e a parcialidade dos juízes

Salmo de Asafe

[1] Deus assiste na congregação divina; no meio dos deuses, estabelece o seu julgamento.

[2] Até quando julgareis injustamente e tomareis partido pela causa dos ímpios?

[3] Fazei justiça ao fraco e ao órfão, procedei retamente para com o aflito e o desamparado.

[4] Socorrei o fraco e o necessitado; tirai-os das mãos dos ímpios.

AmaHubo 82

UNkulunkulu ungumahluleli oyenayena

Ihubo lika-Asafa.

[1]UNkulunkulu umi emhlanganweni wawonkulunkulu; uyahlulela phakathi kwawonkulunkulu.

[2]Koze kube nini nahlulela ngokungalungile nikhetha ubuso bababi na? *Sela*

[3] Yahlulelani ompofu nentandane, nimenzele okufaneleyo olusizi noswelayo.

[4]Khululani oswelayo nompofu, nibophule esandleni sababi.

[5] Eles nada sabem, nem entendem; vagueiam em trevas; vacilam todos os fundamentos da terra.

[6] Eu disse: sois deuses, sois todos filhos do Altíssimo.

[7] Todavia, como homens, morrereis e, como qualquer dos príncipes, haveis de sucumbir.

[8] Levanta-te, ó Deus, julga a terra, pois a ti compete a herança de todas as nações.

[5] Abanakwazi, abanakuqonda, bahamba ebumnyameni; izisekelo zonke zomhlaba ziyazamazama.

[6] Mina ngathi: Ningonkulunkulu nina, nonke ningamadodana oPhezukonke.

[7] Kanti nokho niyakufa njengabantu nje, niwe njengesinye sezikhulu.

[8]Vuka, Nkulunkulu, wahlulele umhlaba, ngokuba wena uyindlalifa yezizwe zonke.

Salmo 83

Julgamento de Deus contra as nações inimigas

Cântico. Salmo de Asafe

[1] Ó Deus, não te cales; não te emudeças, nem fiques inativo, ó Deus!

[2] Os teus inimigos se alvoroçam, e os que te odeiam levantam a cabeça.

[3] Tramam astutamente contra o teu povo e conspiram contra os teus protegidos.

[4] Dizem: Vinde, risquemo-los de entre as nações; e não haja mais memória do nome de Israel.

[5] Pois tramam concordemente e firmam aliança contra ti

[6] as tendas de Edom e os ismaelitas, Moabe e os hagarenos,

[7] Gebal, Amom e Amaleque, a Filístia como os habitantes de Tiro;

[8] também a Assíria se alia com eles, e se constituem braço forte aos filhos de Ló.

[9] Faze-lhes como fizeste a Midiã, como a Sísera, como a Jabim na ribeira de Quisom;

AmaHubo 83

Umkhuleko wokuba zichithwe izitha zika-Israyeli

Igama. Ihubo lika-Asafa.

[1] Nkulunkulu, ungathuli, ungalibali, ungali ukukhuluma, Nkulunkulu.

[2]Ngokuba bheka, izitha zakho ziyaxokozela, nabakuzondayo baphakamisa ikhanda.

[3]Ngobuqili benza uzungu ngabantu bakho, bacebisana ukulwa nabathukusiweyo bakho.

[4]Bathi: Wozani sibaqothule, bangabe besaba yisizwe, negama lika-Israyeli lingabe lisakhunjulwa.

[5]Baceba nganhliziyonye, benza isivumelwano ngawe:

[6]amatende ka-Edomi naka-Ishmayeli, nakaMowabi nakaHagari,

[7]noGebali, no-Amoni, no-Amaleki, neFilistiya nabakhile eTire.

[8] Ne-Asiriya lahlangana nabo, laba yingalo yabantwana bakaLoti. ***Sela***

[9] Yenza kubo njengakuMidiyani, nakuSisera, nakuJabini ngasemfuleni iKishoni,

[10] os quais pereceram em En-Dor; tornaram-se adubo para a terra.

[11] Sejam os seus nobres como Orebe e como Zeebe, e os seus príncipes, como Zeba e como Zalmuna,

[12] que disseram: Apoderemo-nos das habitações de Deus.

[13] Deus meu, faze-os como folhas impelidas por um remoinho, como a palha ao léu do vento.

[14] Como o fogo devora um bosque e a chama abrasa os montes,

[15] assim, persegue-os com a tua tempestade e amedronta-os com o teu vendaval.

[16] Enche-lhes o rosto de ignomínia, para que busquem o teu nome, SENHOR.

[17] Sejam envergonhados e confundidos perpetuamente; perturbem-se e pereçam.

[18] E reconhecerão que só tu, cujo nome é SENHOR, és o Altíssimo sobre toda a terra.

Salmo 84

Saudades do templo

Ao mestre de canto, segundo a melodia "Os lagares". Salmo dos filhos de Corá

[1] Quão amáveis são os teus tabernáculos, SENHOR dos Exércitos!

[2] A minha alma suspira e desfalece pelos átrios do SENHOR; o meu coração e a minha carne exultam pelo Deus vivo!

[3] O pardal encontrou casa, e a andorinha, ninho para si, onde acolha os seus filhotes; eu, os teus altares, SENHOR dos Exércitos, Rei meu e Deus meu!

[10]ababhubhela e-Eni Dori, baba ngumquba womhlabathi.

[11] Amakhosana abo wenze abe njengo-Orebi noZebi, nabakhulu babo bonke njengoZeba noSalimuna

[12]ababethi: Masizithabathele amadlelo kaNkulunkulu.

[13] Nkulunkulu wami, benze babe njengezibi ezikhwishizayo, njengamakhoba amuka nomoya.

[14]Njengomlilo oshisa ihlathi, njengelangabi elithungela izintaba,

[15]baxoshe kanjalo ngesivunguvungu sakho, ubethuse ngesiphepho sakho.

[16]Thela ubuso babo ngehlazo, baze bafune igama lakho, Jehova.

[17]Mabahlazeke, baphele amandla kuze kube phakade; mabahluleke, babhubhe,

[18] bazi ukuthi nguwe wedwa ogama lakho linguJehova; ungoPhezukonke emhlabeni wonke.

AmaHubo 84

Izindlu zikaJehova ziyathandeka

Kumholi wokuhlabelela. NgeGititi. Elamadodana kaKora. Ihubo.

[1] Zithandeka kangaka izindlu zakho, Jehova Sebawoti.

[2] Umphefumulo wami ulangazelela, womela amagceke kaJehova; inhliziyo yami nomzimba wami kuyahuba ngokwethaba kuNkulunkulu ophilayo.

[3]Ngokuba umzwilili ufumene indlu, nenkonjane isidleke sayo, lapho ibeka khona amazinyane ayo, ngisho ama-altare

akho, Jehova Sebawoti, Nkosi yami, Nkulunkulu wami.

4 Bem-aventurados os que habitam em tua casa; louvam-te perpetuamente.

4 Babusisiwe abahlala endlini yakho; bayakuhlala bebonga wena. ***Sela***

5 Bem-aventurado o homem cuja força está em ti, em cujo coração se encontram os caminhos aplanados,

5 Ubusisiwe umuntu omandla akhe akuwe, abazindlela zakho zisezinhliziyweni zabo.

6 o qual, passando pelo vale árido, faz dele um manancial; de bênçãos o cobre a primeira chuva.

6 Bedabula imfunda yezinyembezi bayenza ibe yindawo yeziphethu; yebo, nemvula yokuqala iyayisibekela ngezibusiso.

7 Vão indo de força em força; cada um deles aparece diante de Deus em Sião.

7 Baqhubeka emandleni, baze babonakale phambi kukaNkulunkulu eSiyoni.

8 SENHOR, Deus dos Exércitos, escuta-me a oração; presta ouvidos, ó Deus de Jacó!

8 Jehova Nkulunkulu Sebawoti, yizwa umkhuleko wami, ubeke indlebe, Nkulunkulu kaJakobe. ***Sela***

9 Olha, ó Deus, escudo nosso, e contempla o rosto do teu ungido.

9 Wena Nkulunkulu, siHlangu sethu, bheka, ubuke ubuso bogcotshiweyo wakho.

10 Pois um dia nos teus átrios vale mais que mil; prefiro estar à porta da casa do meu Deus, a permanecer nas tendas da perversidade.

10 Ngokuba usuku lunye emagcekeni akho luhle kunezinye eziyizinkulungwane. Ngiyakhetha ukulinda emnyango wendlu kaNkulunkulu wami kunokuhlala ematendeni ababi.

11 Porque o SENHOR Deus é sol e escudo; o SENHOR dá graça e glória; nenhum bem sonega aos que andam retamente.

11 Ngokuba uJehova uNkulunkulu uyilanga nesihlangu; uJehova uyakupha umusa nodumo; akayikubenqabela okuhle abahamba ngobuqotho.

12 Ó SENHOR dos Exércitos, feliz o homem que em ti confia.

12 Jehova Sebawoti, ubusisiwe umuntu okwethembayo.

Salmo 85

Pede-se o perdão de Deus

Ao mestre de canto. Salmo dos filhos de Corá

AmaHubo 85

Isizwe sikaNkulunkulu sicelelwa isibusiso esisha

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora; Ihubo.

[1] Favoreceste, SENHOR, a tua terra; restauraste a prosperidade de Jacó.
[2] Perdoaste a iniqüidade de teu povo, encobriste os seus pecados todos.
[3] A tua indignação, reprimiste-a toda, do furor da tua ira te desviaste.
[4] Restabelece-nos, ó Deus da nossa salvação, e retira de sobre nós a tua ira.
[5] Estarás para sempre irado contra nós? Prolongarás a tua ira por todas as gerações?
[6] Porventura, não tornarás a vivificar-nos, para que em ti se regozije o teu povo?
[7] Mostra-nos, SENHOR, a tua misericórdia e concede-nos a tua salvação.
[8] Escutarei o que Deus, o SENHOR, disser, pois falará de paz ao seu povo e aos seus santos; e que jamais caiam em insensatez.
[9] Próxima está a sua salvação dos que o temem, para que a glória assista em nossa terra.
[10] Encontraram-se a graça e a verdade, a justiça e a paz se beijaram.
[11] Da terra brota a verdade, dos céus a justiça baixa o seu olhar.
[12] Também o SENHOR dará o que é bom, e a nossa terra produzirá o seu fruto.
[13] A justiça irá adiante dele, cujas pegadas ela transforma em caminhos.

Salmo 86

Súplica e confiança

Oração de Davi

[1]Jehova, wabusisa izwe lakho, wambuyisa uJakobe ekuthunjweni.
[2] Wasusa icala labantu bakho, wasibekela zonke izono zabo. ***Sela***
[3]Wamukisa yonke intukuthelo yakho, waphenduka ekuvutheni kolaka lwakho.
[4]Sibuyise, Nkulunkulu wensindiso yethu, ulahle ukusicanukela kwakho.
[5] Uyakusithukuthelela njalonjalo na? Uyakwelulela ulaka lwakho ezizukulwaneni ngezizukulwane na?
[6]Awuzukusivusa, sibuye siphile, ukuze abantu bakho bathokoze ngawe, na?
[7]Sitshengise umusa wakho, Jehova, usiphe insindiso yakho.
[8]Mangizwe lokho uNkulunkulu uJehova azakukukhuluma; uyakhuluma ukuthula kubantu bakhe nakubo abamesabayo; mabangabuyeli ebuwuleni.
[9] Impela insindiso yakhe iseduze nabamesabayo, ukuze kuhlale udumo ezweni lethu.
[10]Kuyakuhlangabezana umusa neqiniso, kwangane ukulunga nokuthula.
[11] Kuyakuhluma iqiniso emhlabeni, kulunguzele phansi nokulunga kwasezulwini.
[12] Yebo, uJehova uyakuveza okuhle; izwe lethu liyakuthela izithelo zalo.
[13]Ukulunga kuyakuhamba phambi kwakhe, kwenzele izinyawo zakhe indlela.

AmaHubo 86

Umkhuleko wososizini

Umkhuleko kaDavide.

[1] Inclina, SENHOR, os ouvidos e responde-me, pois estou aflito e necessitado.

[2] Preserva a minha alma, pois eu sou piedoso; tu, ó Deus meu, salva o teu servo que em ti confia.

[3] Compadece-te de mim, ó SENHOR, pois a ti clamo de contínuo.

[4] Alegra a alma do teu servo, porque a ti, SENHOR, elevo a minha alma.

[5] Pois tu, SENHOR, és bom e compassivo; abundante em benignidade para com todos os que te invocam.

[6] Escuta, SENHOR, a minha oração e atende à voz das minhas súplicas.

[7] No dia da minha angústia, clamo a ti, porque me respondes.

[8] Não há entre os deuses semelhante a ti, SENHOR; e nada existe que se compare às tuas obras.

[9] Todas as nações que fizeste virão, prostrar-se-ão diante de ti, SENHOR, e glorificarão o teu nome.

[10] Pois tu és grande e operas maravilhas; só tu és Deus!

[11] Ensina-me, SENHOR, o teu caminho, e andarei na tua verdade; dispõe-me o coração para só temer o teu nome.

[1]Beka indlebe yakho, Jehova, ungiphendule, ngokuba ngilusizi, ngimpofu.

[2] Londoloza umphefumulo wami, ngokuba ngingoqotho; wena Nkulunkulu wami, sindisa inceku yakho ekwethembayo.

[3]Yiba nomusa kimi, Nkosi, ngokuba ngikhala kuwe usuku lonke.

[4] Thokozisa umphefumulo wenceku yakho, ngokuba kuwena, Nkosi, ngiyawuphakamisela umphefumulo wami.

[5] Ngokuba wena, Nkosi, umuhle, ungothethelelayo, unomusa omkhulu kubo bonke abakhala kuwe.

[6]Jehova, beka indlebe ekukhulekeni kwami, ulalele izwi lokunxusa kwami.

[7] Ngosuku losizi lwami ngikhala kuwe, ngokuba uzakungiphendula.

[8] Phakathi kwawonkulunkulu akakho onjengawe Nkosi; akukho okunjengemisebenzi yakho.

[9] Izizwe ozenzileyo ziyakufika zonke, zikhuleke phambi kwakho, Nkosi, zidumise igama lakho.

[10]Ngokuba umkhulu wena, uyenza izimangaliso, unguNkulunkulu wena wedwa.

[11] Ngifundise, Jehova, indlela yakho; ngiyakuhamba eqinisweni lakho; yenza inhliziyo yami iqonde ntonye, yesabe igama lakho.

[12] Dar-te-ei graças, SENHOR, Deus meu, de todo o coração, e glorificarei para sempre o teu nome.
[13] Pois grande é a tua misericórdia para comigo, e me livraste a alma do mais profundo poder da morte.
[14] Ó Deus, os soberbos se têm levantado contra mim, e um bando de violentos atenta contra a minha vida; eles não te consideram.
[15] Mas tu, SENHOR, és Deus compassivo e cheio de graça, paciente e grande em misericórdia e em verdade.
[16] Volta-te para mim e compadece-te de mim; concede a tua força ao teu servo e salva o filho da tua serva.
[17] Mostra-me um sinal do teu favor, para que o vejam e se envergonhem os que me aborrecem; pois tu, SENHOR, me ajudas e me consolas.

[12]Ngiyakukubonga, Nkosi Nkulunkulu wami, ngenhliziyo yonke yami, ngidumise igama lakho kuze kube phakade.
[13] Ngokuba umusa wakho mkhulu phezu kwami, ukhululile umphefumulo wami endaweni yabafileyo ephansi.
[14] Nkulunkulu, izideleli zingivukele, ibandla lezidlwangudlwangu lifuna umphefumulo wami; azibekanga wena phambi kwazo.
[15] Kepha wena Nkosi unguNkulunkulu ohawukelayo, onomusa nokubekezela, uvame ubumnene nokuthembeka.
[16]Phendukela kimi, ube nomusa kimi, uyiphe inceku yakho amandla akho, usindise indodana yencekukazi yakho.
[17]Ngenzele isiboniselo sokuhle, ukuze abangizondayo babone, bajabhe, ngokuba wena Jehova uyangisiza, uyangiduduza.

Salmo 87

Jerusalém, amada de Deus

Salmo dos filhos de Corá. Cântico

[1] Fundada por ele sobre os montes santos,
[2] o SENHOR ama as portas de Sião mais do que as habitações todas de Jacó.
[3] Gloriosas coisas se têm dito de ti, ó cidade de Deus!
[4] Dentre os que me conhecem, farei menção de Raabe e da Babilônia; eis aí Filístia e Tiro com Etiópia; lá, nasceram.

AmaHubo 87

IJerusalema, ikhaya lezizwe

Elamadodana kaKora. Ihubo. Igama.

[1]Isisekelo asibekileyo sisezintabeni ezingcwele.
[2] UJehova uyawathanda amasango aseSiyoni kunazo zonke izindlu zikaJakobe.
[3] Okudumisekayo kukhulunywa ngawe, muzi kaNkulunkulu. ***Sela***
[4]Ngiyakubala uRahabi neBabele kulabo abangaziyo; yebo, iFilistiya neThire kanye neKushe azalelwa khona.

[5] E com respeito a Sião se dirá: Este e aquele nasceram nela; e o próprio Altíssimo a estabelecerá.

[6] O SENHOR, ao registrar os povos, dirá: Este nasceu lá.

[7] Todos os cantores, saltando de júbilo, entoarão: Todas as minhas fontes são em ti.

[5]Kuyakuthiwa ngeSiyoni: Yilo nalo wazalelwa khona; oPhezukonke uyaliqinisa.

[6]Mhla uJehova eloba izizwe uyakubala ukuthi lo wazalelwa khona. ***Sela***

[7]Abahubayo nabasinayo bathi: Imithombo yami yonke ikuwe.

Salmo 88

Lamentação de um atribulado

Cântico. Salmo dos filhos de Corá. Ao mestre de canto. Para ser cantado com cítara. Salmo didático de Hemã, ezraíta

[1] Ó SENHOR, Deus da minha salvação, dia e noite clamo diante de ti.

[2] Chegue à tua presença a minha oração, inclina os ouvidos ao meu clamor.

[3] Pois a minha alma está farta de males, e a minha vida já se abeira da morte.

[4] Sou contado com os que baixam à cova; sou como um homem sem força,

[5] atirado entre os mortos; como os feridos de morte que jazem na sepultura, dos quais já não te lembras; são desamparados de tuas mãos.

[6] Puseste-me na mais profunda cova, nos lugares tenebrosos, nos abismos.

[7] Sobre mim pesa a tua ira; tu me abates com todas as tuas ondas.

[8] Apartaste de mim os meus conhecidos e me fizeste objeto de abominação para com eles; estou preso e não vejo como sair.

AmaHubo 88

Ukukhala kosengozini yokufa

Igama. Ihubo lamadodana kaKora. Kumholi wokuhlabelela. NgeMahalati Leyanoti. IMaskili likaHemani umEzra.

[1]Jehova Nkulunkulu wensindiso yami, ngikhala imini nobusuku phambi kwakho.

[2]Umkhuleko wami mawufike ebusweni bakho, indlebe yakho uyibeke ekunxuseni kwami.

[3]Ngokuba umphefumulo wami ugcwele izinsizi, ukuphila kwami kusondele endaweni yabafileyo.

[4] Ngibalwa kanye nabashona emgodini, nginjengomuntu ofileyo.

[5] Icansi lami liphakathi kwabafileyo; nginjengababuleweyo abalele ethuneni, ongasabakhumbuli, benqunyiwe esandleni sakho.

[6]Ungibekile emgodini ojulile kunayo yonke, ebumnyameni, otweni.

[7] Kuyangisinda ukuthukuthela kwakho; amadlambi akho onke ayangicindezela phansi. ***Sela***

[8] Engikade ngazana nabo ubaxoshele kude, wangenza ngibe yisinengiso kubo; ngivalelwe, ngingephume.

[9] Os meus olhos desfalecem de aflição; dia após dia, venho clamando a ti, SENHOR, e te levanto as minhas mãos.

[9]Iso lami liyafa ngosizi; ngikhala kuwe Jehova imihla yonke, ngizelulela izandla zami kuwe.

[10] Mostrarás tu prodígios aos mortos ou os finados se levantarão para te louvar?

[10]Abafileyo uyakubenzela isimangaliso na? Ziyakuvuka yini izithunzi, zikubonge, na? ***Sela***

[11] Será referida a tua bondade na sepultura? A tua fidelidade, nos abismos?

[11]Kuyalandiswa yini ethuneni ngomusa wakho, nangokuthembeka kwakho endaweni yokubhujiswa na?

[12] Acaso, nas trevas se manifestam as tuas maravilhas? E a tua justiça, na terra do esquecimento?

[12] Izimangaliso zakho ziyaziwa yini ebumnyameni, nokulunga kwakho ezweni lokukhohlwa na?

[13] Mas eu, SENHOR, clamo a ti por socorro, e antemanhã já se antecipa diante de ti a minha oração.

[13]Kepha mina, Jehova, ngikhala kuwe; ekuseni umkhuleko wami uyenyuka phambi kwakho.

[14] Por que rejeitas, SENHOR, a minha alma e ocultas de mim o rosto?

[14]Jehova, ulahlelani umphefumulo wami, ungifihlelelani ubuso bakho na?

[15] Ando aflito e prestes a expirar desde moço; sob o peso dos teus terrores, estou desorientado.

[15]Ngihluphekile, ngingofayo kusukela ebusheni bami; ngithwele ukwesabeka kwakho, ngiphelile.

[16] Por sobre mim passaram as tuas iras, os teus terrores deram cabo de mim.

[16]Ulaka lwakho olushisayo lungehlele; ukwesabisa kwakho kungiqedile.

[17] Eles me rodeiam como água, de contínuo; a um tempo me circundam.

[17]Kungizungeza njengamanzi imihla yonke, kungikaka kanyekanye.

[18] Para longe de mim afastaste amigo e companheiro; os meus conhecidos são trevas.

[18] Isihlobo nomngane ubaxoshele kude; ubumnyama bungumhlobo wami.

Salmo 89

Promessa do reino messiânico a Davi

Salmo didático de Etã, ezraíta

1 Rs 4.31

[1] Cantarei para sempre as tuas misericórdias, ó SENHOR; os meus lábios proclamarão a todas as gerações a tua fidelidade.

AmaHubo 89

Umkhuleko wocela ukusizwa

IMaskili lika-Ethani umEzra.

[1]Ngiyakuhlabelela ngomusa kaJehova kuze kube phakade, ngomlomo wami ngazise izizukulwane ngezizukulwane ukuthembeka kwakho.

[2] Pois disse eu: a benignidade está fundada para sempre; a tua fidelidade, tu a confirmarás nos céus, dizendo:

[3] Fiz aliança com o meu escolhido e jurei a Davi, meu servo:

[4] Para sempre estabelecerei a tua posteridade e firmarei o teu trono de geração em geração.

[5] Celebram os céus as tuas maravilhas, ó SENHOR, e, na assembléia dos santos, a tua fidelidade.

[6] Pois quem nos céus é comparável ao SENHOR? Entre os seres celestiais, quem é semelhante ao SENHOR?

[7] Deus é sobremodo tremendo na assembléia dos santos e temível sobre todos os que o rodeiam.

[8] Ó SENHOR, Deus dos Exércitos, quem é poderoso como tu és, SENHOR, com a tua fidelidade ao redor de ti?!

[9] Dominas a fúria do mar; quando as suas ondas se levantam, tu as amainas.

[10] Calcaste a Raabe, como um ferido de morte; com o teu poderoso braço dispersaste os teus inimigos.

[11] Teus são os céus, tua, a terra; o mundo e a sua plenitude, tu os fundaste.

[12] O Norte e o Sul, tu os criaste; o Tabor e o Hermom exultam em teu nome.

[2]Ngokuba ngithe: Umusa uyakwakhiwa kuze kube phakade; ezulwini uyaqinisa ukuthembeka kwakho.

[3]Ngenzile isivumelwano nokhethiweyo wami, ngifungile kuye uDavide inceku yami ukuthi:

[4] Ngiyakuqinisa inzalo yakho kuze kube phakade, ngisakhe isihlalo sobukhosi ezizukulwaneni ngezizukulwane. ***Sela***

[5] Izimangaliso zakho, Jehova, ziyadunyiswa ngamazulu, ukuthembeka kwakho ebandleni labangcwele.

[6]Ngokuba ngubani osemafwini ongalinganiswa noJehova na? Ngubani phakathi kwamadodana kaNkulunkulu ongafaniswa noJehova na?

[7]UNkulunkulu uyesabeka kakhulu emhlanganweni wabangcwele; umelwe ukuhlonishwa yibo bonke abangakuye.

[8]Jehova Nkulunkulu Sebawoti, ngubani onjengawe na? Unamandla, Jehova, nokuthembeka kwakho kuyakuhaqa.

[9] Wena uyabusa ukukhukhumala kolwandle; uma kuphakama amadlambi alo, uyawathulisa.

[10] Wena uchobozile uRahabi njengobuleweyo; uhlakazile izitha zakho ngengalo yakho enamandla.

[11]Ngelakho izulu, ngowakho umhlaba; izwe nokugcwala kwalo, kukho konke ubeke isisekelo.

[12]Inyakatho neningizimu wakudala wena; iThabori neHermoni kuyajabula egameni lakho.

[13] O teu braço é armado de poder, forte é a tua mão, e elevada, a tua destra.

[14] Justiça e direito são o fundamento do teu trono; graça e verdade te precedem.

[15] Bem-aventurado o povo que conhece os vivas de júbilo, que anda, ó SENHOR, na luz da tua presença.

[16] Em teu nome, de contínuo se alegra e na tua justiça se exalta,

[17] porquanto tu és a glória de sua força; no teu favor avulta o nosso poder.

[18] Pois ao SENHOR pertence o nosso escudo, e ao Santo de Israel, o nosso rei.

[19] Outrora, falaste em visão aos teus santos e disseste: A um herói concedi o poder de socorrer; do meio do povo, exaltei um escolhido.

[20] Encontrei Davi, meu servo; com o meu santo óleo o ungi.

[21] A minha mão será firme com ele, o meu braço o fortalecerá.

[22] O inimigo jamais o surpreenderá, nem o há de afligir o filho da perversidade.

[23] Esmagarei diante dele os seus adversários e ferirei os que o odeiam.

[24] A minha fidelidade e a minha bondade o hão de acompanhar, e em meu nome crescerá o seu poder.

[25] Porei a sua mão sobre o mar e a sua direita, sobre os rios.

[13]Ingalo yakho inobuqhawe, isandla sakho sinamandla, esokunene sakho siphakeme.

[14]Ukulunga nokwahlulela kuyisisekelo sesihlalo sakho sobukhosi; umusa neqiniso kuyahamba phambi kobuso bakho.

[15] Sibusisiwe isizwe esikwazi ukuhlabelela ngenjabulo; siyahamba, Jehova, ekukhanyeni kobuso bakho.

[16]Egameni lakho siyathokoza usuku lonke; ngokulunga kwakho siyaphakanyiswa.

[17]Ngokuba wena uyinkazimulo yamandla abo; ngomusa wakho uphondo lwethu luyaphakama.

[18]Ngokuba isihlangu sethu singesikaJehova; inkosi yethu ingeyoNgcwele ka-Israyeli.

[19] Ngaleso sikhathi wakhuluma ngombono kubo abakholwayo bakho, wathi: Ngibekile usizo eqhaweni, ngiphakamisile okhethiwe phakathi kwabantu.

[20] Ngifumene inceku yami uDavide, ngimgcobile ngamafutha ami angcwele.

[21]Isandla sami siyakuba naye siqinile, ingalo yami iyakumqinisa.

[22]Isitha asiyikumahlula, nendodana yobubi ayiyikumhlupha.

[23]Ngiyakuchoboza izitha zakhe ebusweni bakhe, ngihluphe abamzondayo.

[24]Ukuthembeka kwami nomusa wami kuyakuba naye; egameni lami luyakuphakama uphondo lwakhe.

[25]Ngiyakubeka isandla sakhe phezu kolwandle, esokunene sakhe phezu kwemifula.

[26] Ele me invocará, dizendo: Tu és meu pai, meu Deus e a rocha da minha salvação.
[27] Fá-lo-ei, por isso, meu primogênito, o mais elevado entre os reis da terra.
[28] Conservar-lhe-ei para sempre a minha graça e, firme com ele, a minha aliança.
[29] Farei durar para sempre a sua descendência; e, o seu trono, como os dias do céu.
[30] Se os seus filhos desprezarem a minha lei e não andarem nos meus juízos,
[31] se violarem os meus preceitos e não guardarem os meus mandamentos,
[32] então, punirei com vara as suas transgressões e com açoites, a sua iniqüidade.
[33] Mas jamais retirarei dele a minha bondade, nem desmentirei a minha fidelidade.
[34] Não violarei a minha aliança, nem modificarei o que os meus lábios proferiram.
[35] Uma vez jurei por minha santidade (e serei eu falso a Davi?):
[36] A sua posteridade durará para sempre, e o seu trono, como o sol perante mim.
[37] Ele será estabelecido para sempre como a lua e fiel como a testemunha no espaço.
[38] Tu, porém, o repudiaste e o rejeitaste; e te indignaste com o teu ungido.

[26] Uyakungibiza ngokuthi: UnguBaba, unguNkulunkulu wami nedwala lensindiso yami.
[27]Ngiyakumenza abe yizibulo nophakamileyo kunamakhosi omhlaba.
[28]Ngiyakumgcinela umusa wami kuze kube phakade; isivumelwano sami soba siqinile kuye.
[29]Ngiyakwenza inzalo yakhe ime kuze kube phakade, isihlalo sakhe sobukhosi sibe njengezinsuku zezulu.
[30] Uma abantwana bakhe beshiya umthetho wami bengahambi ngezahlulelo zami,
[31]uma bephula izimiso zami bengagcini imiyalo yami,
[32]ngiyakuhambela izono zabo ngenduku, namacala abo ngemivimbo.
[33]Kepha umusa wami angiyikuwususa kuye, ngingaphikisi ukuthembeka kwami.
[34] Angiyikwaphula isivumelwano sami, nokuphumileyo ezindebeni zami angiyikukuguqula.
[35]Ngafunga kanye ubungcwele bami, angiyikuqamba amanga kuDavide.
[36] Inzalo yakhe iyakuma phakade, isihlalo sakhe sobukhosi sibe njengelanga phambi kwami.
[37] Iyakuma phakade njengenyanga nanjengofakazi othembekileyo osemafwini. ***Sela***
[38]Kepha usumlahlile, wamala, wamthukuthelela ogcotshiweyo wakho.

[39] Aborreceste a aliança com o teu servo; profanaste-lhe a coroa, arrojando-a para a terra.

[40] Arrasaste os seus muros todos; reduziste a ruínas as suas fortificações.

[41] Despojam-no todos os que passam pelo caminho; e os vizinhos o escarnecem.

[42] Exaltaste a destra dos seus adversários e deste regozijo a todos os seus inimigos.

[43] Também viraste o fio da sua espada e não o sustentaste na batalha.

[44] Fizeste cessar o seu esplendor e deitaste por terra o seu trono.

[45] Abreviaste os dias da sua mocidade e o cobriste de ignomínia.

[46] Até quando, SENHOR? Esconder-te-ás para sempre? Arderá a tua ira como fogo?

[47] Lembra-te de como é breve a minha existência! Pois criarias em vão todos os filhos dos homens!

[48] Que homem há, que viva e não veja a morte? Ou que livre a sua alma das garras do sepulcro?

[49] Que é feito, SENHOR, das tuas benignidades de outrora, juradas a Davi por tua fidelidade?

[50] Lembra-te, SENHOR, do opróbrio dos teus servos e de como trago no peito a injúria de muitos povos,

[39]Uchithile isivumelwano senceku yakho, wadumaza umqhele wayo, wawuphonsa emhlabathini.

[40] Udilizile zonke izindonga zakhe, wazenza izinqaba zakhe zaba yincithakalo.

[41] Bonke abadlula ngendlela bayamphanga; waba yihlazo kwabakhelene naye.

[42]Uphakamisile esokunene sabamelene naye, wajabulisa zonke izitha zakhe.

[43]Futhi ubuyisele emuva usiko lwenkemba yakhe, awumvumelanga ukuma ekulweni.

[44]Ususile inkazimulo yakhe, wawisa phansi emhlabathini isihlalo sakhe sobukhosi.

[45]Ufinyezile izinsuku zobusha bakhe, wamthela ngamahloni. ***Sela***

[46] Koze kube nini uyakuzisitha, Jehova, nentukuthelo yakho ivutha njengomlilo, na?

[47] Khumbula ukuthi isikhathi sami singakanani nokuthi wadalela ize bonke abantwana babantu.

[48]Ngubani oyakuphila engayikubona ukufa, akhulule umphefumulo wakhe emandleni endawo yabafileyo, na? ***Sela***

[49]Nkosi, uphi umusa wakho wakuqala owawufungela kuDavide ngokuthembeka kwakho na?

[50]Khumbula, Nkosi, ihlazo lezinceku zakho nokuthi ngithwele esifubeni sami ihlazo lezizwe eziningi kakhulu,

[51] com que, SENHOR, os teus inimigos têm vilipendiado, sim, vilipendiado os passos do teu ungido.
[52] Bendito seja o SENHOR para sempre! Amém e amém!

Livro IV

Salmos 90 - 106

Salmo 90

A eternidade de Deus e a transitoriedade do homem

Oração de Moisés, homem de Deus

[1] SENHOR, tu tens sido o nosso refúgio, de geração em geração.

[2] Antes que os montes nascessem e se formassem a terra e o mundo, de eternidade a eternidade, tu és Deus.

[3] Tu reduzes o homem ao pó e dizes: Tornai, filhos dos homens.
[4] Pois mil anos, aos teus olhos, são como o dia de ontem que se foi e como a vigília da noite.
[5] Tu os arrastas na torrente, são como um sono, como a relva que floresce de madrugada;
[6] de madrugada, viceja e floresce; à tarde, murcha e seca.
[7] Pois somos consumidos pela tua ira e pelo teu furor, conturbados.
[8] Diante de ti puseste as nossas iniqüidades e, sob a luz do teu rosto, os nossos pecados ocultos.
[9] Pois todos os nossos dias se passam na tua ira; acabam-se os nossos anos como um breve pensamento.

[51]ezisola ngalo izitha zakho, Jehova, ezisola ngalo ukuhamba kogcotshiweyo wakho.
[52]Makabongwe uJehova kuze kube phakade. Amen, Amen.

Incwadi Yesine

Amahubo 90 -- 106

AmaHubo 90

Ubuphakade bukaNkulunkulu nokuphela komuntu

Umkhuleko kaMose, umuntu kaNkulunkulu.

[1]Nkosi, wena uyisiphephelo sethu ezizukulwaneni ngezizukulwane.
[2]Kungakaveli izintaba, ungakawenzi umhlaba nezwe, kuthi kusukela phakade kuze kube phakade wena Nkulunkulu ukhona.
[3] Uyambuyisela umuntu othulini, uthi: Buyani, bantwana babantu.
[4] Ngokuba iminyaka eyinkulungwane emehlweni akho injengezolo selidlulile, nanjengomlindo ebusuku.
[5] Uyabamukisa njengesikhukhula, banjengobuthongo; ekuseni banjengotshani obuhlumayo;
[6] ekuseni buyakhahlela, buhlume; kusihlwa bunqunywe, bubune.
[7] Ngokuba siyaqedwa yintukuthelo yakho, nangolaka lwakho siyabhubha.
[8] Ubekile amacala ethu phambi kwakho, izono zethu ezifihliweyo ekukhanyeni kobuso bakho.
[9]Ngokuba izinsuku zethu ziyadlula ngentukuthelo yakho; siyafeza iminyaka yethu njengephefu.

[10] Os dias da nossa vida sobem a setenta anos ou, em havendo vigor, a oitenta; neste caso, o melhor deles é canseira e enfado, porque tudo passa rapidamente, e nós voamos.

[11] Quem conhece o poder da tua ira? E a tua cólera, segundo o temor que te é devido?

[12] Ensina-nos a contar os nossos dias, para que alcancemos coração sábio.

[13] Volta-te, SENHOR! Até quando? Tem compaixão dos teus servos.

[14] Sacia-nos de manhã com a tua benignidade, para que cantemos de júbilo e nos alegremos todos os nossos dias.

[15] Alegra-nos por tantos dias quantos nos tens afligido, por tantos anos quantos suportamos a adversidade.

[16] Aos teus servos apareçam as tuas obras, e a seus filhos, a tua glória.

[17] Seja sobre nós a graça do SENHOR, nosso Deus; confirma sobre nós as obras das nossas mãos, sim, confirma a obra das nossas mãos.

Salmo 91

Sob a sombra do Altíssimo

[1] O que habita no esconderijo do Altíssimo e descansa à sombra do Onipotente

[10] Izinsuku zeminyaka yethu zineminyaka engamashumi ayisikhombisa; kuthi uma ziziningi, zineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili; nokho ukuvama kwazo kungukuhlupheka nelize, ngokuba zidlula masinyane, thina siyandiza, simuke.

[11]Ngubani owaziyo amandla entukuthelo yakho nolaka lwakho olunjengakho ukwesabeka kwakho na?

[12] Sifundise, Nkosi, ukubala izinsuku zethu, sizuze inhliziyo enokuhlakanipha.

[13] Buya, Jehova! Koze kube nini na? Hawukela izinceku zakho.

[14]Sisuthise ngomusa wakho, kuse sekuseni, ukuze sithokoze, sijabule izinsuku zethu zonke.

[15]Sithokozise ngangezinsuku owasihlupha ngazo, nangangeminyaka esabona okubi ngayo.

[16]Izenzo zakho mazibonakale kuzo izinceku zakho, nenkazimulo yakho kubantwana bazo.

[17]Yebo, ubuhle beNkosi uNkulunkulu wethu abube phezu kwethu, umise umsebenzi wezandla zethu phezu kwethu; yebo, umsebenzi wezandla zethu uwumise.

AmaHubo 91

UJehova ungumlondolozi

[1] Yena owakhile ekusithekeni koPhezukonke nohlezi emthunzini kaSomandla

[2] diz ao SENHOR: Meu refúgio e meu baluarte, Deus meu, em quem confio.

[3] Pois ele te livrará do laço do passarinheiro e da peste perniciosa.

[4] Cobrir-te-á com as suas penas, e, sob suas asas, estarás seguro; a sua verdade é pavês e escudo.

[5] Não te assustarás do terror noturno, nem da seta que voa de dia,

[6] nem da peste que se propaga nas trevas, nem da mortandade que assola ao meio-dia.

[7] Caiam mil ao teu lado, e dez mil, à tua direita; tu não serás atingido.

[8] Somente com os teus olhos contemplarás e verás o castigo dos ímpios.

[9] Pois disseste: O SENHOR é o meu refúgio. Fizeste do Altíssimo a tua morada.

[10] Nenhum mal te sucederá, praga nenhuma chegará à tua tenda.

[11] Porque aos seus anjos dará ordens a teu respeito, para que te guardem em todos os teus caminhos.

[12] Eles te sustentarão nas suas mãos, para não tropeçares nalguma pedra.

[13] Pisarás o leão e a áspide, calcarás aos pés o leãozinho e a serpente.

[2] uthi kuJehova: Uyisiphephelo sami nenqaba yami noNkulunkulu wami engimethembayo.

[3] Ngokuba yena uyakukhipha ogibeni lomcuphi nasobhadaneni olubhubhisayo.

[4] Ngezimpaphe zakhe uyakukusibekela, uphephele phansi kwamaphiko akhe; ukuthembeka kwakhe kuyisihlangu nehawu.

[5] Awuyikwesaba ivuso lasebusuku, nomcibisholo ondizayo emini,

[6]nobhadane oluhamba ebumnyameni, nesifo esibhubhisayo emini enkulu.

[7]Bayakuwa abayizinkulungwane ngaseceleni kwakho, nabayizinkulungwane eziyishumi ngakwesokunene sakho, kepha akuyikufinyelela kuwe.

[8] Uyakubuka nje ngamehlo akho, ubone ukuphindiselwa kwababi,

[9]ngokuba uthi: Jehova, uyisiphephelo sami; oPhezukonke umenzile abe yinqaba yakho.

[10] Awuyikwehlelwa ngokubi, nesifo asiyikusondela etendeni lakho.

[11] Ngokuba uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikulondoloze ezindleleni zakho zonke.

[12] Ziyakukuthwala ngezandla, ungaqhuzuki ngonyawo lwakho etsheni.

[13] Uyakunyathela ingonyama nebululu, unyathele phansi ibhongo lengonyama nodrako.

[14] Porque a mim se apegou com amor, eu o livrarei; pô-lo-ei a salvo, porque conhece o meu nome.

[15] Ele me invocará, e eu lhe responderei; na sua angústia eu estarei com ele, livrá-lo-ei e o glorificarei.

[16] Saciá-lo-ei com longevidade e lhe mostrarei a minha salvação.

Salmo 92

Hino de gratidão a Deus

Salmo. Cântico para o dia de sábado

[1] Bom é render graças ao SENHOR e cantar louvores ao teu nome, ó Altíssimo,

[2] anunciar de manhã a tua misericórdia e, durante as noites, a tua fidelidade,

[3] com instrumentos de dez cordas, com saltério e com a solenidade da harpa.

[4] Pois me alegraste, SENHOR, com os teus feitos; exultarei nas obras das tuas mãos.

[5] Quão grandes, SENHOR, são as tuas obras! Os teus pensamentos, que profundos!

[6] O inepto não compreende, e o estulto não percebe isto:

[7] ainda que os ímpios brotam como a erva, e florescem todos os que praticam a iniqüidade, nada obstante, serão destruídos para sempre;

[8] tu, porém, SENHOR, és o Altíssimo eternamente.

[14]Ngenxa yokuba enamathele kimi, ngakho ngiyamkhulula; ngiyamphakamisa ngokuba elazi igama lami.

[15] Uyakungibiza, ngimphendule; ngiyakuba naye esosizini, ngimkhulule, ngimdumise.

[16] Ngiyakumsuthisa ngobude bezinsuku, ngimbonise insindiso yami.

AmaHubo 92

Ukubonga ubumnene nokulunga kukaJehova

Ihubo. Igama losuku lwesabatha.

[1] Kuhle ukumbonga uJehova nokuhubela igama lakho wena oPhezukonke;

[2] ukushumayela umusa wakho ekuseni nokuthembeka kwakho ebusuku,

[3] ngokubetha ugubhu olunezintambo eziyishumi, nomqangala, kanye nehabhu elizwakala kamnandi.

[4] Ngokuba ungithokozisile, Jehova, ngezenzo zakho; ngiyakumemeza ngokujabula.

[5] Yeka ubukhulu bezenzo zakho, Jehova. Imicabango yakho ijulile kakhulu.

[6]Umuntu oyisilima angekucabange, nesiwula asikuboni.

[7]Noma ababi behluma njengotshani, nezigangi noma ziqhakaza zonke, kuyenzeka ukuba babhujiswe kuze kube phakade.

[8]Kepha wena Jehova uphakeme kuze kube phakade.

9 Eis que os teus inimigos, SENHOR, eis que os teus inimigos perecerão; serão dispersos todos os que praticam a iniqüidade.

10 Porém tu exaltas o meu poder como o do boi selvagem; derramas sobre mim o óleo fresco.

11 Os meus olhos vêem com alegria os inimigos que me espreitam, e os meus ouvidos se satisfazem em ouvir dos malfeitores que contra mim se levantam.

12 O justo florescerá como a palmeira, crescerá como o cedro no Líbano.

13 Plantados na Casa do SENHOR, florescerão nos átrios do nosso Deus.

14 Na velhice darão ainda frutos, serão cheios de seiva e de verdor,

15 para anunciar que o SENHOR é reto. Ele é a minha rocha, e nele não há injustiça.

Salmo 93

O poder e a majestade de Deus

1 Reina o SENHOR. Revestiu-se de majestade; de poder se revestiu o SENHOR e se cingiu. Firmou o mundo, que não vacila.

2 Desde a antiguidade, está firme o teu trono; tu és desde a eternidade.

3 Levantam os rios, ó SENHOR, levantam os rios o seu bramido; levantam os rios o seu fragor.

4 Mas o SENHOR nas alturas é mais poderoso do que o bramido das grandes águas, do que os poderosos vagalhões do mar.

9 Ngokuba bheka, izitha zakho, Jehova, bheka, izitha zakho, ziyakubhubha; bonke abenza okubi bayakuhlakazwa.

10 Kepha uphondo lwami uyaluphakamisa njengolwenyathi, ngigcotshwa ngamafutha amasha.

11 Iso lami liyakubona ngokujabula izitha zami, nezindlebe zami ziyakuzwa ngokuthokoza ngababi abangivukelayo.

12 Olungileyo uyahluma njengesundu, uyakhula njengomsedari eLebanoni.

13 Batshaliwe endlini kaJehova, bamila emagcekeni kaNkulunkulu wethu.

14 Nasebudaleni bayakuthela izithelo, bahlume babe luhlaza,

15 ukuze bashumayele ukuthi uJehova ulungile; uyidwala lami okungekho kuye ukungalungi.

AmaHubo 93

UJehova uyinkosi

1 UJehova uyinkosi, wembethe ubukhosi; uJehova wembethe, ubhince amandla. Nezwe limi liqinile, lingazanyazanyiswa.

2 Isihlalo sakhe sobukhosi simi siqinile kwasendulo; wena ukhona kwaphakade.

3 Imifula iphakamisile, Jehova, imifula iphakamisile ukuholoba kwayo; imifula iphakamisa ukuduma kwayo.

4 UJehova ophakeme unamandla kunokuholoba kwamanzi amaningi, kunokuduma kwamadlambi olwandle.

[5] Fidelíssimos são os teus testemunhos; à tua casa convém a santidade, SENHOR, para todo o sempre.

[5] Ukufakaza kwakho kuqinisekile kakhulu. Ubungcwele buyifanele indlu yakho, Jehova, kuze kube phakade.

Salmo 94

Apelo para a justiça de Deus

[1] Ó SENHOR, Deus das vinganças, ó Deus das vinganças, resplandece.

[2] Exalta-te, ó juiz da terra; dá o pago aos soberbos.

[3] Até quando, SENHOR, os perversos, até quando exultarão os perversos?

[4] Proferem impiedades e falam coisas duras; vangloriam-se os que praticam a iniqüidade.

[5] Esmagam o teu povo, SENHOR, e oprimem a tua herança.

[6] Matam a viúva e o estrangeiro e aos órfãos assassinam.

[7] E dizem: O SENHOR não o vê; nem disso faz caso o Deus de Jacó.

[8] Atendei, ó estúpidos dentre o povo; e vós, insensatos, quando sereis prudentes?

[9] O que fez o ouvido, acaso, não ouvirá? E o que formou os olhos será que não enxerga?

[10] Porventura, quem repreende as nações não há de punir? Aquele que aos homens dá conhecimento não tem sabedoria?

[11] O SENHOR conhece os pensamentos do homem, que são pensamentos vãos.

[12] Bem-aventurado o homem, SENHOR, a quem tu repreendes, a quem ensinas a tua lei,

AmaHubo 94

Izitha zesizwe sikaNkulunkulu ziyakuphindiselwa

[1] Nkulunkulu wempindiselo, Jehova, Nkulunkulu wempindiselo, vela ukhanye.

[2] Phakama, Mahluleli womhlaba, uphindisele kwabazidlayo izenzo zabo.

[3] Jehova, koze kube nini ababi, koze kube nini ababi bethaba na?

[4]Bayampompoza, bakhuluma amagangangozi; bayazidla bonke abenza okubi.

[5]Isizwe sakho, Jehova, bayasiphohloza, nefa lakho balinyathela phansi.

[6]Bayabhubhisa umfelokazi nomfokazi, nezintandane bayazibulala.

[7] Bathi: UJehova akaboni, uNkulunkulu kaJakobe akanaki.

[8]Qaphelani nina zithutha phakathi kwabantu; nani ziwula, niyakuqonda nini na?

[9] Owenza indlebe kanakuzwa na? Owadala iso kanakubona na?

[10]Othethisa abezizwe, yena ofundisa abantu ukwazi, kanakujezisa na?

[11] UJehova uyayazi imicabango yabantu ukuba ingumoya nje.

[12] Jehova, ubusisiwe lowo muntu omyalayo, omfundisayo ngomthetho wakho,

13 para lhe dares descanso dos dias maus, até que se abra a cova para o ímpio.

14 Pois o SENHOR não há de rejeitar o seu povo, nem desamparar a sua herança.

15 Mas o juízo se converterá em justiça, e segui-la-ão todos os de coração reto.

16 Quem se levantará a meu favor, contra os perversos? Quem estará comigo contra os que praticam a iniqüidade?

17 Se não fora o auxílio do SENHOR, já a minha alma estaria na região do silêncio.

18 Quando eu digo: resvala-me o pé, a tua benignidade, SENHOR, me sustém.

19 Nos muitos cuidados que dentro de mim se multiplicam, as tuas consolações me alegram a alma.

20 Pode, acaso, associar-se contigo o trono da iniqüidade, o qual forja o mal, tendo uma lei por pretexto?

21 Ajuntam-se contra a vida do justo e condenam o sangue inocente.

22 Mas o SENHOR é o meu baluarte e o meu Deus, o rochedo em que me abrigo.

23 Sobre eles faz recair a sua iniqüidade e pela malícia deles próprios os destruirá; o SENHOR, nosso Deus, os exterminará.

Salmo 95

Convite a louvar o Senhor

13 wenzela ukuba umphumuze ezinsukwini ezimbi, aze ambelwe umgodi lowo ongenamthetho.

14 Ngokuba uJehova akayikulahla abantu bakhe, nefa lakhe akayikulishiya.

15 Ngokuba ukulunga kuyakubuyela ekwahluleleni, bonke abaqotho ngenhliziyo bakulandele.

16 Ngubani oyakungimela phambi kwababi na? Ngubani oyakungelekelela kwabenza okubi na?

17 Uma uJehova ebengesilo usizo lwami, umphefumulo wami ubuyakushesha ukuhlala ekuthuleni kokufa.

18 Lapho ngithe unyawo lwami luyashelela, umusa wakho, Jehova, wangiphasa.

19 Kubo ubuninginingi bemicabango yenhliziyo yami ukududuza kwakho kwathokozisa umphefumulo wami.

20 Isihlalo sobubi singahlanganyela nawe yini, leso esisebenza okubi kungathi ngomthetho na?

21 Bahlangana ukuvukela umphefumulo wolungileyo; igazi elingenacala bayalilahla.

22 Kepha uJehova waba yinqaba yami, uNkulunkulu wami waba yiwa engiphephela kulo.

23 Uyaphindisela kubo ukushinga kwabo, abaqede ngobubi babo; uJehova uNkulunkulu wethu uyakubaqeda.

AmaHubo 95

Ukubonga nokulalela uNkulunkulu

[1] Vinde, cantemos ao SENHOR, com júbilo, celebremos o Rochedo da nossa salvação.

[2] Saiamos ao seu encontro, com ações de graças, vitoriemo-lo com salmos.

[3] Porque o SENHOR é o Deus supremo e o grande Rei acima de todos os deuses.

[4] Nas suas mãos estão as profundezas da terra, e as alturas dos montes lhe pertencem.

[5] Dele é o mar, pois ele o fez; obra de suas mãos, os continentes.

[6] Vinde, adoremos e prostremo-nos; ajoelhemos diante do SENHOR, que nos criou.

[7] Ele é o nosso Deus, e nós, povo do seu pasto e ovelhas de sua mão. Hoje, se ouvirdes a sua voz,

[8] não endureçais o coração, como em Meribá, como no dia de Massá, no deserto,

[9] quando vossos pais me tentaram, pondo-me à prova, não obstante terem visto as minhas obras.

[10] Durante quarenta anos, estive desgostado com essa geração e disse: é povo de coração transviado, não conhece os meus caminhos.

[11] Por isso, jurei na minha ira: não entrarão no meu descanso.

[1] Wozani simhubele uJehova, sihlabelele ngenjabulo kulo idwala lensindiso yethu.

[2]Masize phambi kobuso bakhe ngokubonga, sihlabelele kuye ngamahubo.

[3] Ngokuba uJehova unguNkulunkulu omkhulu, uyinkosi enkulu phezu kwawonkulunkulu bonke.

[4]Esandleni sakhe kukhona ukujula komhlaba; iziqongo zezintaba ngezakhe nazo.

[5]Ulwandle ngolwakhe, walwenza; nomhlabathi owomileyo izandla zakhe zawubumba.

[6] Wozani; masikhuleke, sikhothame, siguqe phambi kukaJehova, uMenzi wethu.

[7] Ngokuba yena unguNkulunkulu wethu, thina singabantu bedlelo lakhe nezimvu zesandla sakhe. Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe,

[8] ningayenzi lukhuni inhliziyo yenu njengaseMeriba, njengasosukwini lwaseMasa ehlane,

[9] lapho oyihlo bangilinga khona, bangivivinya, babona umsebenzi wami.

[10] Iminyaka engamashumi amane nganengwa yileso sizukulwane, ngaze ngathi: Bangabantu abanhliziyo zabo zidukile, abazazanga izindlela zami,

[11] engafunga ngabo olakeni lwami, ngathi: Abasoze bangena ekuphumuleni kwami.

Salmo 96

Tributo à glória e majestade de Deus
1 Crônicas 16.23-33

1 Cantai ao SENHOR um cântico novo, cantai ao SENHOR, todas as terras.

2 Cantai ao SENHOR, bendizei o seu nome; proclamai a sua salvação, dia após dia.

3 Anunciai entre as nações a sua glória, entre todos os povos, as suas maravilhas.

4 Porque grande é o SENHOR e mui digno de ser louvado, temível mais que todos os deuses.

5 Porque todos os deuses dos povos não passam de ídolos; o SENHOR, porém, fez os céus.

6 Glória e majestade estão diante dele, força e formosura, no seu santuário.

7 Tributai ao SENHOR, ó famílias dos povos, tributai ao SENHOR glória e força.

8 Tributai ao SENHOR a glória devida ao seu nome; trazei oferendas e entrai nos seus átrios.

9 Adorai o SENHOR na beleza da sua santidade; tremei diante dele, todas as terras.

10 Dizei entre as nações: Reina o SENHOR. Ele firmou o mundo para que não se abale e julga os povos com eqüidade.

11 Alegrem-se os céus, e a terra exulte; ruja o mar e a sua plenitude.

AmaHubo 96

Ukudunyiswa kukaNkulunkulu yizizwe zonke

1 Hlabelelani kuJehova ihubo elisha, nihlabelele kuJehova, mhlaba wonke.

2 Hlabelelani kuJehova, nibonge igama lakhe, nimemeze insindiso yakhe imihla ngemihla.

3Landani inkazimulo yakhe phakathi kwabezizwe, izimangaliso zakhe phakathi kwabantu bonke.

4 Ngokuba mkhulu uJehova, udumisekile kakhulu; uyesabeka phezu kwabo bonke onkulunkulu.

5 Ngokuba bonke onkulunkulu babezizwe bayizithombe, kepha uJehova walenza izulu.

6Udumo nobukhosi kusebusweni bakhe; amandla nenkazimulo kusendlini yakhe engcwele.

7 Mnikeni uJehova nina mindeni yabantu, mnikeni uJehova inkazimulo namandla.

8 Mnikeni uJehova inkazimulo yegama lakhe, nilethe umnikelo, ningene emagcekeni akhe.

9 Khulekani kuJehova, nihlobe ubungcwele; thuthumela ebusweni bakhe, mhlaba wonke.

10 Thanini phakathi kwabezizwe: UJehova uyinkosi, izwe lihlala liqinile, lingenakushukunyiswa; uthetha amacala ezizwe ngobuqotho.

11 Malijabule izulu, umhlaba uthokoze; maluhlokome ulwandle nokugcwala kwalo.

[12] Folgue o campo e tudo o que nele há; regozijem-se todas as árvores do bosque,
[13] na presença do SENHOR, porque vem, vem julgar a terra; julgará o mundo com justiça e os povos, consoante a sua fidelidade.

Salmo 97

A majestade e o domínio de Deus

[1] Reina o SENHOR. Regozije-se a terra, alegrem-se as muitas ilhas.

[2] Nuvens e escuridão o rodeiam, justiça e juízo são a base do seu trono.

[3] Adiante dele vai um fogo que lhe consome os inimigos em redor.
[4] Os seus relâmpagos alumiam o mundo; a terra os vê e estremece.
[5] Derretem-se como cera os montes, na presença do SENHOR, na presença do SENHOR de toda a terra.
[6] Os céus anunciam a sua justiça, e todos os povos vêem a sua glória.
[7] Sejam confundidos todos os que servem a imagens de escultura, os que se gloriam de ídolos; prostrem-se diante dele todos os deuses.
[8] Sião ouve e se alegra, as filhas de Judá se regozijam, por causa da tua justiça, ó SENHOR.
[9] Pois tu, SENHOR, és o Altíssimo sobre toda a terra; tu és sobremodo elevado acima de todos os deuses.
[10] Vós que amais o SENHOR, detestai o mal; ele guarda a alma dos seus santos, livra-os da mão dos ímpios.

[12]Mawename amasimu nakho konke okukuwo, ijabule imithi yonke yehlathi
[13] ebusweni bukaJehova, ngokuba uyeza, yebo, uyeza ukwahlulela umhlaba; uyakwahlulela izwe ngokulunga, nezizwe ngokuthembeka kwakhe.

AmaHubo 97

Ukubonakala kobukhosi bukaJehova

[1] UJehova uyinkosi; umhlaba mawethabe, zijabule iziqhingi eziningi.

[2] Amafu nobumnyama kuyamphahla; ukulunga nokwahlulela kuyisisekelo sesihlalo sakhe sobukhosi.

[3] Umlilo uyahamba phambi kwakhe, udla izitha zakhe nxazonke.
[4]Imibani yakhe ikhanyisa izwe; umhlaba uyakubona, uthuthumele.
[5] Izintaba zincibilika njengengcina phambi kukaJehova, phambi kweNkosi yomhlaba wonke.
[6] Amazulu ashumayela ukulunga kwakhe; izizwe zonke zibona inkazimulo yakhe.

[7] Mabajabhe bonke abakhonza izithombe ezibaziweyo, abazigabisa ngezithombe. Mkhonzeni nina nonke bonkulunkulu.

[8] ISiyoni liyezwa, liyajabula; ngenxa yezahlulelo zakho, Jehova.

[9] Ngokuba wena Jehova uphezu komhlaba wonke, uphakeme kakhulu phezu kwawonkulunkulu bonke.
[10] Nina enithanda uJehova zondani okubi; uyagcina imiphefumulo yabamkhonzayo; uyabasindisa ezandleni zababi.

[11] A luz difunde-se para o justo, e a alegria, para os retos de coração.

[12] Alegrai-vos no SENHOR, ó justos, e dai louvores ao seu santo nome.

Salmo 98

A justiça do Senhor
Salmo

[1] Cantai ao SENHOR um cântico novo, porque ele tem feito maravilhas; a sua destra e o seu braço santo lhe alcançaram a vitória.

[2] O SENHOR fez notória a sua salvação; manifestou a sua justiça perante os olhos das nações.

[3] Lembrou-se da sua misericórdia e da sua fidelidade para com a casa de Israel; todos os confins da terra viram a salvação do nosso Deus.

[4] Celebrai com júbilo ao SENHOR, todos os confins da terra; aclamai, regozijai-vos e cantai louvores.

[5] Cantai com harpa louvores ao SENHOR, com harpa e voz de canto;

[6] com trombetas e ao som de buzinas, exultai perante o SENHOR, que é rei.

[7] Ruja o mar e a sua plenitude, o mundo e os que nele habitam.

[8] Os rios batam palmas, e juntos cantem de júbilo os montes,

[9] na presença do SENHOR, porque ele vem julgar a terra; julgará o mundo com justiça e os povos, com eqüidade.

Salmo 99

[11] Ukukhanya kuhlwanyelelwe olungileyo, ukujabula kuhlwanyelelwe abanhliziyo ziqotho.

[12] Jabulani kuJehova nina balungileyo, nibonge igama lakhe elingcwele.

AmaHubo 98

Umkhululi wakwa-Israyeli nomahluleli wezwe
Ihubo.

[1] Mhubeleni uJehova igama elisha, ngokuba wenze izimangaliso; esokunene sakhe nengalo yakhe engcwele kumtholele ukunqoba.

[2] UJehova wazisile insindiso yakhe; ukulunga kwakhe ukwambulile emehlweni abezizwe.

[3] Ukhumbulile umusa wakhe nokuthembeka kwakhe kuyo indlu ka-Israyeli; imikhawulo yonke yomhlaba ibonile insindiso kaNkulunkulu wethu.

[4] Hlokomani kuJehova ngezwi lokuhalalisa, nihlabelele ngenjabulo, nihube.

[5]Mhubeleni uJehova ngehabhu, ngehabhu nangezwi lehubo.

[6]Ngamacilongo nangokukhala komtshingo hlokomani ngezwi lokuhalalisa phambi kweNkosi uJehova.

[7] Maludume ulwandle nokugcwala kwalo, izwe nabakhileyo kulo.

[8]Imifula mayishaye ihlombe, izintaba zihalalise kanyekanye

[9] ebusweni bukaJehova, ngokuba uyeza ukwahlulela umhlaba. Uyakwahlulela izwe ngokulunga nezizwe ngobuqotho.

AmaHubo 99

A santidade de Deus

[1] Reina o SENHOR; tremam os povos. Ele está entronizado acima dos querubins; abale-se a terra.

[2] O SENHOR é grande em Sião e sobremodo elevado acima de todos os povos.

[3] Celebrem eles o teu nome grande e tremendo, porque é santo.

[4] És rei poderoso que ama a justiça; tu firmas a eqüidade, executas o juízo e a justiça em Jacó.

[5] Exaltai ao SENHOR, nosso Deus, e prostrai-vos ante o escabelo de seus pés, porque ele é santo.

[6] Moisés e Arão, entre os seus sacerdotes, e, Samuel, entre os que lhe invocam o nome, clamavam ao SENHOR, e ele os ouvia.

[7] Falava-lhes na coluna de nuvem; eles guardavam os seus mandamentos e a lei que lhes tinha dado.

[8] Tu lhes respondeste, ó SENHOR, nosso Deus; foste para eles Deus perdoador, ainda que tomando vingança dos seus feitos.

[9] Exaltai ao SENHOR, nosso Deus, e prostrai-vos ante o seu santo monte, porque santo é o SENHOR, nosso Deus.

UNkulunkulu ungoNgcwele

[1] UJehova uyinkosi; mabathuthumele abantu; uhlezi phezu kwamakherubi; mawuzamazame umhlaba.

[2] UJehova mkhulu eSiyoni, uphakeme phezu kwezizwe zonke.

[3] Mababonge igama lakho elikhulu nelesabekayo; ungcwele yena.

[4] Amandla eNkosi athanda okulungileyo, umisile ubuqotho; ukwahlulela nokulunga ukwenzile kwaJakobe.

[5] Mphakamiseni uJehova uNkulunkulu wethu, nikhuleke ngasesanabelweni sezinyawo zakhe; ungcwele yena.

[6] OMose no-Aroni babe phakathi kwabapristi bakhe; uSamuweli wayephakathi kwabakhulekayo egameni lakhe. Bakhuleka kuJehova, yena waphendula.

[7] Wakhuluma kubo esensikeni yefu; bagcina ubufakazi bakhe nezimiso abanika zona.

[8]Jehova Nkulunkulu wethu, wena ubaphendulile, waba kubo uNkulunkulu othethelelayo nophindiselayo ngezenzo zabo.

[9]Mphakamiseni uJehova uNkulunkulu wethu, nikhuleke ngasentabeni yakhe engcwele, ngokuba ungcwele uJehova uNkulunkulu wethu.

Salmo 100

Hino de ingresso ao templo

Salmo de ações de graças

[1] Celebrai com júbilo ao SENHOR, todas as terras.

AmaHubo 100

Isiyalezo sokumdumisa uJehova

Ihubo lokudumisa.

[1] Hlokoma kuJehova ngezwi lokuhalalisa, mhlaba wonke.

2 Servi ao SENHOR com alegria, apresentai-vos diante dele com cântico.

3 Sabei que o SENHOR é Deus; foi ele quem nos fez, e dele somos; somos o seu povo e rebanho do seu pastoreio.

4 Entrai por suas portas com ações de graças e nos seus átrios, com hinos de louvor; rendei-lhe graças e bendizei-lhe o nome.

5 Porque o SENHOR é bom, a sua misericórdia dura para sempre, e, de geração em geração, a sua fidelidade.

2 Mkhonzeni uJehova ngokujabula, nisondele ebusweni bakhe ngokuhuba kwentokozo.

3 Yazini ukuthi uJehova unguNkulunkulu; nguye osenzileyo, akuthina, sibe ngabantu bakhe nezimvu zedlelo lakhe.

4 Ngenani emasangweni akhe ngokubonga, nasemagcekeni akhe ngokudumisa; mbongeni, nibusise igama lakhe.

5 Ngokuba muhle uJehova; umusa wakhe umi phakade, nokuthembeka kwakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane.

Salmo 101

Modelo de bom rei

Salmo de Davi

1 Cantarei a bondade e a justiça; a ti, SENHOR, cantarei.

2 Atentarei sabiamente ao caminho da perfeição. Oh! Quando virás ter comigo? Portas a dentro, em minha casa, terei coração sincero.

3 Não porei coisa injusta diante dos meus olhos; aborreço o proceder dos que se desviam; nada disto se me pegará.

4 Longe de mim o coração perverso; não quero conhecer o mal.

5 Ao que às ocultas calunia o próximo, a esse destruirei; o que tem olhar altivo e coração soberbo, não o suportarei.

6 Os meus olhos procurarão os fiéis da terra, para que habitem comigo; o que anda em reto caminho, esse me servirá.

AmaHubo 101

Indlela engenacala yababusi

ElikaDavide. Ihubo.

1Ngizakuhlabelela ngomusa nokwahlulela, ngikudumise wena Jehova.

2Ngizakuqaphelisisa indlela engenacala. Uyakuza nini kimi na? Ngizakuhamba endlini yami ngenhliziyo engenacala.

3Angizukubeka phambi kwamehlo ami into embi; ukwenza kwabahlubukayo ngiyakuzonda; akuyikunamathela kimi.

4Inhliziyo ephambeneyo iyakusuka kimi; omubi angiyikumazi.

5 Omhlebayo umakhelwane wakhe ngasese ngizakumqeda; onamehlo aqhoshayo nenhliziyo ezidlayo angiyikumvumela.

6 Amehlo ami akwabathembekileyo bomhlaba ukuba bahlale nami; ohamba endleleni engenacala uyakungikhonza.

7 Não há de ficar em minha casa o que usa de fraude; o que profere mentiras não permanecerá ante os meus olhos.
8 Manhã após manhã, destruirei todos os ímpios da terra, para limpar a cidade do SENHOR dos que praticam a iniqüidade.

Salmo 102

Arrependimento e esperança
Oração do aflito que, desfalecido, derrama o seu queixume perante o Senhor

1 Ouve, SENHOR, a minha súplica, e cheguem a ti os meus clamores.

2 Não me ocultes o rosto no dia da minha angústia; inclina-me os ouvidos; no dia em que eu clamar, dá-te pressa em acudir-me.

3 Porque os meus dias, como fumaça, se desvanecem, e os meus ossos ardem como em fornalha.
4 Ferido como a erva, secou-se o meu coração; até me esqueço de comer o meu pão.

5 Os meus ossos já se apegam à pele, por causa do meu dolorido gemer.

6 Sou como o pelicano no deserto, como a coruja das ruínas.
7 Não durmo e sou como o passarinho solitário nos telhados.
8 Os meus inimigos me insultam a toda hora; furiosos contra mim, praguejam com o meu próprio nome.

9 Por pão tenho comido cinza e misturado com lágrimas a minha bebida,

7Osebenza ukukhohlisa akayikuhlala endlini yami; okhuluma amanga akayikuma phambi kwamehlo ami.
8 Ekuseni imihla ngemihla ngiyakubaqeda bonke ababi bomhlaba, ukuze nginqume emzini kaJehova bonke abenzi bokubi.

AmaHubo 102

Ukwethemba eNkosini
Umkhuleko wohluphekayo, nxa ephela amandla, ethulula isikhalo sakhe phambi kukaJehova.

1Jehova, yizwa umkhuleko wami; ukukhala kwami makufinyelele kuwe.
2 Ungafihli ubuso bakho kimi ngosuku losizi lwami; beka indlebe yakho kimi, ngosuku engimemeza ngalo usheshe ungiphendule.
3Ngokuba izinsuku zami ziphelile njengomusi; amathambo ashile njengezinkuni.
4Inhliziyo yami ishayiwe, ibunile njengotshani, ngokuba ngiyakhohlwa ukudla isinkwa sami.
5 Ngenxa yezwi lokububula kwami amathambo ami anamathele enyameni yami.
6Ngiyafana nevuba ehlane, nginjengesikhova kwahlongasibi.
7Ngiyaqwasha, nginjengenyoni eyodwa ophahleni lwendlu.

8 Izitha zami ziyangithuka usuku lonke; abahlanya ngami bayangiqalekisa.

9 Ngokuba ngidlile umlotha njengesinkwa, nophuzo lwami ngiluxubanisile nezinyembezi.

[10] por causa da tua indignação e da tua ira, porque me elevaste e depois me abateste.

[11] Como a sombra que declina, assim os meus dias, e eu me vou secando como a relva.

[12] Tu, porém, SENHOR, permaneces para sempre, e a memória do teu nome, de geração em geração.

[13] Levantar-te-ás e terás piedade de Sião; é tempo de te compadeceres dela, e já é vinda a sua hora;

[14] porque os teus servos amam até as pedras de Sião e se condoem do seu pó.

[15] Todas as nações temerão o nome do SENHOR, e todos os reis da terra, a sua glória;

[16] porque o SENHOR edificou a Sião, apareceu na sua glória,

[17] atendeu à oração do desamparado e não lhe desdenhou as preces.

[18] Ficará isto registrado para a geração futura, e um povo, que há de ser criado, louvará ao SENHOR;

[19] que o SENHOR, do alto do seu santuário, desde os céus, baixou vistas à terra,

[20] para ouvir o gemido dos cativos e libertar os condenados à morte,

[21] a fim de que seja anunciado em Sião o nome do SENHOR e o seu louvor, em Jerusalém,

[22] quando se reunirem os povos e os reinos, para servirem ao SENHOR.

[23] Ele me abateu a força no caminho e me abreviou os dias.

[10]Ngenxa yentukuthelo nolaka lwakho ungifukulile, wangilahla.

[11] Izinsuku zami zinjengethunzi elandayo; mina uqobo ngiyabuna njengotshani.

[12] Kepha wena Jehova uyakuhlala kuze kube phakade, nesikhumbuzo sakho ezizukulwaneni ngezizukulwane.

[13]Uyakuvuka, uhawukele iSiyoni; sekuyisikhathi sokuliphatha ngomusa, yebo, isikhathi esimisiweyo sesifikile.

[14]Ngokuba izinceku zalo ziyathokoza ngamatshe alo, zihawukele uthuli lwalo.

[15]Khona abezizwe bayakulesaba igama likaJehova, amakhosi onke omhlaba inkazimulo yakho.

[16]Ngokuba uJehova ulakhile iSiyoni, ubonakele enkazimulweni yakhe;

[17]wanaka umkhuleko wabangenalutho, engawudeleli umthandazo wabo.

[18] Lokhu kuyakulotshelwa isizukulwane esizayo; abantu abayakudalwa bayakudumisa uJehova.

[19]Ngokuba ubheke phansi esekuphakameni kwakhe okungcwele, wabuka umhlaba esezulwini

[20] ukuba ezwe ukububula kwesiboshwa, akhulule abantwana bokufa,

[21]ukuze kumenyezelwe eSiyoni igama likaJehova nodumo lwakhe eJerusalema,

[22] nxa izizwe zibuthana ndawonye kanye nemibuso ukumkhonza uJehova.

[23]Wanciphisa amandla ami endleleni, wafinyeza izinsuku zami.

[24] Dizia eu: Deus meu, não me leves na metade de minha vida; tu, cujos anos se estendem por todas as gerações.

[25] Em tempos remotos, lançaste os fundamentos da terra; e os céus são obra das tuas mãos.

[26] Eles perecerão, mas tu permaneces; todos eles envelhecerão como uma veste, como roupa os mudarás, e serão mudados.

[27] Tu, porém, és sempre o mesmo, e os teus anos jamais terão fim.

[28] Os filhos dos teus servos habitarão seguros, e diante de ti se estabelecerá a sua descendência.

Salmo 103

A misericórdia de Deus

Salmo de Davi

[1] Bendize, ó minha alma, ao SENHOR, e tudo o que há em mim bendiga ao seu santo nome.

[2] Bendize, ó minha alma, ao SENHOR, e não te esqueças de nem um só de seus benefícios.

[3] Ele é quem perdoa todas as tuas iniqüidades; quem sara todas as tuas enfermidades;

[4] quem da cova redime a tua vida e te coroa de graça e misericórdia;

[5] quem farta de bens a tua velhice, de sorte que a tua mocidade se renova como a da águia.

[6] O SENHOR faz justiça e julga a todos os oprimidos.

[24] Ngithi: Nkulunkulu wami, ungangisusi enxenyeni yezinsuku zami; iminyaka yakho isezizukulwaneni ngezizukulwane.

[25] Endulo wawusekela umhlaba, izulu lingumsebenzi wezandla zakho.

[26] Kuyakubhubha lokhu, kepha uyakuma; yebo, kuyakuguga konke njengengubo; njengesambatho uyakukuguqula, kuguqulwe.

[27]Kepha unguwe njalo, iminyaka yakho ayiyikuphela.

[28] Abantwana bezinceku zakho bayakuhlala; inzalo yabo iyakuma phambi kwakho.

AmaHubo 103

Ihubo lokudumisa uNkulunkulu ngomusa wakhe

[1]Mbonge uJehova, mphefumulo wami; konke okuphakathi kwami makubonge igama lakhe elingcwele.

[2]Mbonge uJehova, mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa,

[3] yena othethelela zonke izono zakho, owelapha zonke izifo zakho;

[4] okhulula ukuphila kwakho ekubhujisweni, okuqhelisa ngomusa nangobubele;

[5] osuthisa ukulangazela kwakho ngokuhle, ubusha bakho bubuyiswe njengokhozi.

[6] UJehova ubenzela bonke abacindezelwayo ukulunga nokwahlulela.

[7] Manifestou os seus caminhos a Moisés e os seus feitos aos filhos de Israel.

[8] O SENHOR é misericordioso e compassivo; longânimo e assaz benigno.

[9] Não repreende perpetuamente, nem conserva para sempre a sua ira.

[10] Não nos trata segundo os nossos pecados, nem nos retribui consoante as nossas iniqüidades.

[11] Pois quanto o céu se alteia acima da terra, assim é grande a sua misericórdia para com os que o temem.

[12] Quanto dista o Oriente do Ocidente, assim afasta de nós as nossas transgressões.

[13] Como um pai se compadece de seus filhos, assim o SENHOR se compadece dos que o temem.

[14] Pois ele conhece a nossa estrutura e sabe que somos pó.

[15] Quanto ao homem, os seus dias são como a relva; como a flor do campo, assim ele floresce;

[16] pois, soprando nela o vento, desaparece; e não conhecerá, daí em diante, o seu lugar.

[17] Mas a misericórdia do SENHOR é de eternidade a eternidade, sobre os que o temem, e a sua justiça, sobre os filhos dos filhos,

[18] para com os que guardam a sua aliança e para com os que se lembram dos seus preceitos e os cumprem.

[7] Wamazisa uMose izindlela zakhe, nabantwana bakwa-Israyeli izenzo zakhe.

[8] UJehova unobubele nesihawu; wephuza ukuthukuthela, kuvama umusa.

[9] Akathethi njalonjalo; akagcini intukuthelo yakhe kuze kube phakade.

[10]Akasiphathi njengokufanele izono zethu, akasivuzi njengokwamacala ethu.

[11] Ngokuba njengokuphakama kwezulu phezu komhlaba unjalo umusa wakhe phezu kwabamesabayo.

[12]Njengokuba impumalanga yahlukene nentshonalanga, udedisile kangaka kithi iziphambeko zethu.

[13] Njengoyise ehawukela abantwana bakhe, kanjalo uJehova uyabahawukela abamesabayo.

[14] Ngokuba uyakwazi ukubunjwa kwethu; uyakhumbula ukuthi siluthuli.

[15] Izinsuku zomuntu zinjengotshani; uyakhahlela njengembali yasendle.

[16] Ngokuba umoya uyadlula phezu kwayo, bese yinyamalala, nendawo yayo ingabe isayazi.

[17] Kepha umusa kaJehova uphezu kwabamesabayo kwaphakade kuze kube phakade, nokulunga kwakhe kubantwana babantwana,

[18]kubo abagcina isivumelwano sakhe bekhumbula iziyalezo zakhe ukuba bazenze.

[19] Nos céus, estabeleceu o SENHOR o seu trono, e o seu reino domina sobre tudo.

[20] Bendizei ao SENHOR, todos os seus anjos, valorosos em poder, que executais as suas ordens e lhe obedeceis à palavra.

[21] Bendizei ao SENHOR, todos os seus exércitos, vós, ministros seus, que fazeis a sua vontade.

[22] Bendizei ao SENHOR, vós, todas as suas obras, em todos os lugares do seu domínio. Bendize, ó minha alma, ao SENHOR.

Salmo 104

Louvor ao Deus criador

[1] Bendize, ó minha alma, ao SENHOR! SENHOR, Deus meu, como tu és magnificente: sobrevestido de glória e majestade,

[2] coberto de luz como de um manto. Tu estendes o céu como uma cortina,

[3] pões nas águas o vigamento da tua morada, tomas as nuvens por teu carro e voas nas asas do vento.

[4] Fazes a teus anjos ventos e a teus ministros, labaredas de fogo.

[5] Lançaste os fundamentos da terra, para que ela não vacile em tempo nenhum.

[6] Tomaste o abismo por vestuário e a cobriste; as águas ficaram acima das montanhas;

[7] à tua repreensão, fugiram, à voz do teu trovão, bateram em retirada.

[19]UJehova umisile isihlalo sakhe sobukhosi ezulwini; nombuso wakhe ubusa phezu kwakho konke.

[20] Bongani uJehova nina zingelosi zakhe, nina maqhawe anamandla enenza okwezwi lakhe nilalela ukukhuluma kwezwi lakhe.

[21] Bongani uJehova nina mabandla onke akhe, nina zinceku zakhe enenza intando yakhe.

[22]Bongani uJehova nina misebenzi yakhe yonke ezindaweni zonke zombuso wakhe. Mbonge uJehova, mphefumulo wami.

AmaHubo 104

Ihubo lokudumisa umdali wezinto zonke

[1]Mbonge uJehova, mphefumulo wami; Jehova Nkulunkulu wami, umkhulu, wembethe udumo nobukhosi;

[2] ogqoka ukukhanya njengengubo, oweneka izulu njengendwangu;

[3] obeka imishayo yezindlu zakhe emanzini, owenza amafu abe yinqola yakhe, ohamba ngamaphiko omoya;

[4] owenza izingelosi zibe yimimoya, izikhonzi zakhe zibe yilangabi lomlilo.

[5] Umisile umhlaba phezu kwezisekelo zawo, ukuze ungazanyazanyiswa kuze kube phakade naphakade.

[6]Wawumboza ngolwandle njengengubo; amanzi ema phezu kwezintaba.

[7]Ngokukhuza kwakho abaleka, ngezwi lokuduma kwakho ashesha asuka.

[8] Elevaram-se os montes, desceram os vales, até ao lugar que lhes havias preparado.
[9] Puseste às águas divisa que não ultrapassarão, para que não tornem a cobrir a terra.
[10] Tu fazes rebentar fontes no vale, cujas águas correm entre os montes;
[11] dão de beber a todos os animais do campo; os jumentos selvagens matam a sua sede.
[12] Junto delas têm as aves do céu o seu pouso e, por entre a ramagem, desferem o seu canto.

[13] Do alto de tua morada, regas os montes; a terra farta-se do fruto de tuas obras.

[14] Fazes crescer a relva para os animais e as plantas, para o serviço do homem, de sorte que da terra tire o seu pão,
[15] o vinho, que alegra o coração do homem, o azeite, que lhe dá brilho ao rosto, e o alimento, que lhe sustém as forças.
[16] Avigoram-se as árvores do SENHOR e os cedros do Líbano que ele plantou,
[17] em que as aves fazem seus ninhos; quanto à cegonha, a sua casa é nos ciprestes.
[18] Os altos montes são das cabras montesinhas, e as rochas, o refúgio dos arganazes.
[19] Fez a lua para marcar o tempo; o sol conhece a hora do seu ocaso.

[8]Enyuka izintaba, ehla izigodi, aze afika endaweni owawuyimisele wona.

[9] Umisile umncele ukuba angaweqi, angabuyi ukusibekela umhlaba.
[10]Uthumela imithombo ezigodini; yona igijima phakathi kwezintaba.
[11]Iyaphuzisa izilwane zonke zasendle, izimbongolo zasendle zicime ukoma kwazo.
[12]Izinyoni zezulu zakhile ngakuyo, zizwakalisa izwi lazo phakathi kwamagatsha.
[13]Uphuzisa izintaba okuvela emakamelweni akhe; umhlaba uyaneliswa yisithelo semisebenzi yakho.
[14] Uhlumisela izinkomo utshani nemifino yokusiza umuntu, ukuze aveze ukudla emhlabeni,

[15] newayini elijabulisa inhliziyo yomuntu, namafutha okukhazimulisa ubuso, nesinkwa esiqinisa inhliziyo yomuntu.
[16]Iyasutha imithi kaJehova, imisedari yaseLebanoni ayitshalileyo,

[17]okwakhele kuyo izinyoni; ugolantethe unendlu yakhe kuyo imisayipuresi.

[18]Izintaba eziphakemeyo ngezezimbuzi zasendle; amawa ayisiphephelo sezimbila.
[19]Wenza inyanga ibe ngeyokwahlukanisa izikhathi; ilanga liyazi ukushona kwalo.

[20] Dispões as trevas, e vem a noite, na qual vagueiam os animais da selva.

[21] Os leõezinhos rugem pela presa e buscam de Deus o sustento;

[22] em vindo o sol, eles se recolhem e se acomodam nos seus covis.

[23] Sai o homem para o seu trabalho e para o seu encargo até à tarde.

[24] Que variedade, SENHOR, nas tuas obras! Todas com sabedoria as fizeste; cheia está a terra das tuas riquezas.

[25] Eis o mar vasto, imenso, no qual se movem seres sem conta, animais pequenos e grandes.

[26] Por ele transitam os navios e o monstro marinho que formaste para nele folgar.

[27] Todos esperam de ti que lhes dês de comer a seu tempo.

[28] Se lhes dás, eles o recolhem; se abres a mão, eles se fartam de bens.

[29] Se ocultas o rosto, eles se perturbam; se lhes cortas a respiração, morrem e voltam ao seu pó.

[30] Envias o teu Espírito, eles são criados, e, assim, renovas a face da terra.

[31] A glória do SENHOR seja para sempre! Exulte o SENHOR por suas obras!

[20]Wenza ubumnyama kube ngubusuku; phakathi kwabo kuphuma izilo zonke zasehlathini.

[21] Izingonyama ezintsha zibhongela impango, zifuna ukudla kwazo kuNkulunkulu.

[22]Liphuma ilanga, bese zibuyela phansi zilale emihumeni yazo.

[23]Bese kuphuma umuntu, aye emsebenzini wakhe nasekukhandlekeni kwakhe kuze kuhlwe.

[24]Jehova, yeka ubuningi bemisebenzi yakho; yonke uyenzile ngokuhlakanipha; umhlaba ugcwele izidalwa zakho.

[25]Nantu ulwandle, lukhulu, lubanzi; lapho kukhona izilwanyana ezinwabuzelayo ezingenakubalwa, izilwane ezincane nezinkulu.

[26] Kuhamba khona imikhumbi, uLeviyathani lowo omenzile ukuba adlale kulo.

[27] Zonke lezi zidalwa zibheka wena, ukuze uzinike ukudla kwazo ngesikhathi esiyiso.

[28] Uyazinika ukudla, zibuthe; uvula isandla sakho, zisuthe ngokuhle.

[29] Uyasitheza ubuso bakho, zethuke; uyasusa umphefumulo wazo, zife, zibuyele othulini lwazo.

[30] Uyathumela umoya wakho, zidalwe; wenza bube busha ubuso bomhlaba.

[31]Inkazimulo kaJehova mayime kuze kube phakade; uJehova kathokoze ngemisebenzi yakhe,

[32] Com só olhar para a terra, ele a faz tremer; toca as montanhas, e elas fumegam.
[33] Cantarei ao SENHOR enquanto eu viver; cantarei louvores ao meu Deus durante a minha vida.
[34] Seja-lhe agradável a minha meditação; eu me alegrarei no SENHOR.
[35] Desapareçam da terra os pecadores, e já não subsistam os perversos. Bendize, ó minha alma, ao SENHOR! Aleluia!

[32] yena obheka umhlaba, besewuthuthumela, othinta izintaba, zithunqe.
[33] Ngiyakumhubela uJehova kukho konke ukuphila kwami; ngiyakuhlabelela kuNkulunkulu wami ngisekhona.
[34]Ukuzindla kwami makube mnandi kuye; mina mangithokoze kuJehova.
[35]Izoni maziphele emhlabeni, kungabe kusaba khona ababi. Mbonge uJehova, mphefumulo wami. Haleluya!

Salmo 105

As maravilhosas obras do Senhor a favor de Israel

1 Crônicas 16.8-22

[1] Rendei graças ao SENHOR, invocai o seu nome, fazei conhecidos, entre os povos, os seus feitos.
[2] Cantai-lhe, cantai-lhe salmos; narrai todas as suas maravilhas.
[3] Gloriai-vos no seu santo nome; alegre-se o coração dos que buscam o SENHOR.
[4] Buscai o SENHOR e o seu poder; buscai perpetuamente a sua presença.
[5] Lembrai-vos das maravilhas que fez, dos seus prodígios e dos juízos de seus lábios,
[6] vós, descendentes de Abraão, seu servo, vós, filhos de Jacó, seus escolhidos.
[7] Ele é o SENHOR, nosso Deus; os seus juízos permeiam toda a terra.
[8] Lembra-se perpetuamente da sua aliança, da palavra que empenhou para mil gerações;

AmaHubo 105

Igama lokudumisa uJehova ngezenzo zakhe zomusa

[1] Bongani uJehova, nibize igama lakhe, nizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe.
[2]Hlabelelani kuye, nimhubele, nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke.
[3]Zibongeni egameni lakhe elingcwele; mazithokoze izinhliziyo zabamfunayo uJehova.
[4]Funani uJehova namandla akhe, nifunisise ubuso bakhe njalo.
[5]Khumbulani izimangaliso zakhe azenzileyo, nezibonakaliso zakhe, nezahlulelo zomlomo wakhe,
[6]nina nzalo ka-Abrahama inceku yakhe, nina bantwana bakaJakobe, abakhethiweyo bakhe.
[7]Yena unguJehova uNkulunkulu wethu; izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke.
[8] Ukhumbulile isivumelwano sakhe kuze kube phakade, izwi ayala ngalo izizukulwane eziyinkulungwane,

[9] da aliança que fez com Abraão e do juramento que fez a Isaque;

[10] o qual confirmou a Jacó por decreto e a Israel por aliança perpétua,

[11] dizendo: Dar-te-ei a terra de Canaã como quinhão da vossa herança.

[12] Então, eram eles em pequeno número, pouquíssimos e forasteiros nela;

[13] andavam de nação em nação, de um reino para outro reino.

[14] A ninguém permitiu que os oprimisse; antes, por amor deles, repreendeu a reis,

[15] dizendo: Não toqueis nos meus ungidos, nem maltrateis os meus profetas.

[16] Fez vir fome sobre a terra e cortou os meios de se obter pão.

[17] Adiante deles enviou um homem, José, vendido como escravo;

[18] cujos pés apertaram com grilhões e a quem puseram em ferros,

[19] até cumprir-se a profecia a respeito dele, e tê-lo provado a palavra do SENHOR.

[20] O rei mandou soltá-lo; o potentado dos povos o pôs em liberdade.

[21] Constituiu-o senhor de sua casa e mordomo de tudo o que possuía,

[22] para, a seu talante, sujeitar os seus príncipes e aos seus anciãos ensinar a sabedoria.

[23] Então, Israel entrou no Egito, e Jacó peregrinou na terra de Cam.

[9] avumelana kuso no-Abrahama, nesifungo sakhe ku-Isaka;

[10] wasiqinisa kuJakobe, saba ngumthetho, naku-Israyeli, saba yisivumelwano esiphakade,

[11]ethi: Ngizakukunika izwe laseKhanani libe yisabelo sefa lakho,

[12]lapho babe yingcosana ngomumo, yebo, lapho babe yingcosana, futhi babe yizihambi kulo.

[13] Bazulazula ezizweni ngezizwe, besuka kulo mbuso, beya kwabanye abantu.

[14] Akavumelanga muntu ukubahlupha, wajezisa amakhosi ngenxa yabo,

[15]ethi: Ningathinti abagcotshiweyo bami, ningoni abaprofethi bami.

[16]Futhi wathuma indlala phezu kwezwe, walwaphula uzime lwesinkwa.

[17] Wathuma indoda phambi kwabo: uJosefa wathengiswa abe yisigqila.

[18] Balimaza izinyawo zakhe ngamaketanga, waboshwa ngensimbi.

[19]Kwaze kwaba yisikhathi elagcwaliseka ngaso izwi lakhe, izwi likaJehova lamhola.

[20] Inkosi yathuma yamthukulula, umbusi wabantu wamkhulula.

[21] Wamenza umphathi wendlu yakhe nenduna yezinto zakhe zonke,

[22]ukuze abophe izikhulu zakhe ngokuthanda kwakhe, afundise amalunga akhe ukuhlakanipha.

[23] U-Israyeli wayesefika eGibithe, uJakobe wagogobala ezweni likaHamu.

[24] Deus fez sobremodo fecundo o seu povo e o tornou mais forte do que os seus opressores.

[25] Mudou-lhes o coração para que odiassem o seu povo e usassem de astúcia para com os seus servos.

[26] E lhes enviou Moisés, seu servo, e Arão, a quem escolhera,

[27] por meio dos quais fez, entre eles, os seus sinais e maravilhas na terra de Cam.

[28] Enviou trevas, e tudo escureceu; e Moisés e Arão não foram rebeldes à sua palavra.

[29] Transformou-lhes as águas em sangue e assim lhes fez morrer os peixes.

[30] Sua terra produziu rãs em abundância, até nos aposentos dos reis.

[31] Ele falou, e vieram nuvens de moscas e piolhos em todo o seu país.

[32] Por chuva deu-lhes saraiva e fogo chamejante, na sua terra.

[33] Devastou-lhes os vinhedos e os figueirais e lhes quebrou as árvores dos seus limites.

[34] Ele falou, e vieram gafanhotos e saltões sem conta,

[35] os quais devoraram toda a erva do país e comeram o fruto dos seus campos.

[36] Também feriu de morte a todos os primogênitos da sua terra, as primícias do seu vigor.

[37] Então, fez sair o seu povo, com prata e ouro, e entre as suas tribos não havia um só inválido.

[24] Wandisa kakhulu abantu bakhe; wabenza babe namandla kunezitha zabo.

[25] Wayiguqula inhliziyo yabo ukuba bazonde abantu bakhe, baphathe izinceku zakhe ngobuqili.

[26] Wathuma uMose inceku yakhe, u-Aroni abemkhethile.

[27] Benza phakathi kwabo izibonakaliso zakhe nezimangaliso ezweni likaHamu.

[28] Wathuma ubumnyama, wenza kwaba mnyama, kepha baphambana namazwi akhe.

[29] Waphendula amanzi abo aba yigazi; wabhubhisa izinhlanzi zabo.

[30] Izwe labo lagcwala amasele nasezindlini zamakhosi abo.

[31] Wakhuluma, kwavela izibawu nezinsensane eminceleni yabo yonke.

[32] Wabanika isichotho saba yimvula yabo, amalangabi omlilo ezweni labo.

[33]Washaya nemivini yabo nemikhiwane yabo; waphula imithi yasezweni labo.

[34] Wakhuluma, kwavela isikhonyane nezinkumbi ezingenakubalwa.

[35]Zona zadla imifino yonke yezwe lakubo, zaqothula nezithelo zomhlabathi wabo.

[36] Washaya namazibulo onke ezweni lakubo, okokuqala kwamandla abo.

[37] Wayesebakhipha benesiliva negolide, kungekho ontengezelayo emindenini yakubo.

[38] Alegrou-se o Egito quando eles saíram, porquanto lhe tinham infundido terror.
[39] Ele estendeu uma nuvem que lhes servisse de toldo e um fogo para os alumiar de noite.
[40] Pediram, e ele fez vir codornizes e os saciou com pão do céu.
[41] Fendeu a rocha, e dela brotaram águas, que correram, qual torrente, pelo deserto.
[42] Porque estava lembrado da sua santa palavra e de Abraão, seu servo.

[43] E conduziu com alegria o seu povo e, com jubiloso canto, os seus escolhidos.

[44] Deu-lhes as terras das nações, e eles se apossaram do trabalho dos povos,
[45] para que lhe guardassem os preceitos e lhe observassem as leis. Aleluia!

Salmo 106

A graça de Deus e a ingratidão de Israel

Vs. 47-48: 1 Crônicas 16.35-36

[1] Aleluia! Rendei graças ao SENHOR, porque ele é bom; porque a sua misericórdia dura para sempre.

[2] Quem saberá contar os poderosos feitos do SENHOR ou anunciar os seus louvores?

[3] Bem-aventurados os que guardam a retidão e o que pratica a justiça em todo tempo.
[4] Lembra-te de mim, SENHOR, segundo a tua bondade para com o teu povo; visita-me com a tua salvação,

[38]IGibithe lajabula ekuphumeni kwabo, ngokuba ukwesaba kwabehlela.

[39] Wendlala ifu lokubasibekela, nomlilo wokukhanyisa ebusuku.

[40] Bacela, waletha izigwaca, wabasuthisa ngesinkwa sasezulwini.
[41] Wavula idwala, kwampompoza amanzi, agobhoza emahlane njengomfula.
[42]Ngokuba wakhumbula izwi lakhe elingcwele no-Abrahama inceku yakhe.
[43]Wayesekhipha abantu bakhe ngokujabula, abakhethiweyo bakhe ngokuthokoza.
[44]Wabapha amazwe abezizwe, badla isithelo somsebenzi wabantu
[45] ukuba baqaphele izimiso zakhe, bagcine imithetho yakhe. Haleluya!

AmaHubo 106

Ukuhlubuka kuka-Israyeli nokuthembeka kukaJehova

[1] Haleluya! Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.
[2] Ngubani ongalanda izenzo zamandla zikaJehova, azwakalise lonke udumo lwakhe, na?
[3]Babusisiwe abaqaphela ukwahlulela kwakhe, owenza ukulunga ngezikhathi zonke.
[4]Ngikhumbule, Jehova, ngomusa onawo kubantu bakho, ungihambele ngensindiso yakho,

[5] para que eu veja a prosperidade dos teus escolhidos, e me alegre com a alegria do teu povo, e me regozije com a tua herança.

[6] Pecamos, como nossos pais; cometemos iniqüidade, procedemos mal.

[7] Nossos pais, no Egito, não atentaram às tuas maravilhas; não se lembraram da multidão das tuas misericórdias e foram rebeldes junto ao mar, o mar Vermelho.

[8] Mas ele os salvou por amor do seu nome, para lhes fazer notório o seu poder.

[9] Repreendeu o mar Vermelho, e ele secou; e fê-los passar pelos abismos, como por um deserto.

[10] Salvou-os das mãos de quem os odiava e os remiu do poder do inimigo.

[11] As águas cobriram os seus opressores; nem um deles escapou.

[12] Então, creram nas suas palavras e lhe cantaram louvor.

[13] Cedo, porém, se esqueceram das suas obras e não lhe aguardaram os desígnios;

[14] entregaram-se à cobiça, no deserto; e tentaram a Deus na solidão.

[15] Concedeu-lhes o que pediram, mas fez definhar-lhes a alma.

[16] Tiveram inveja de Moisés, no acampamento, e de Arão, o santo do SENHOR.

[17] Abriu-se a terra, e tragou a Datã, e cobriu o grupo de Abirão.

[18] Ateou-se um fogo contra o seu grupo; a chama abrasou os ímpios.

[5]ukuze ngibone inhlanhla yabakhethiweyo bakho, ngithokoze ngentokozo yesizwe sakho, ngizibonge kanye nefa lakho.

[6] Sonile kanye nawobaba; senzile okubi, sonakala.

[7] Obaba abaqondanga izibonakaliso zakho eGibithe, abakhumbulanga ubuningi bezenzo zakho zomusa; bahlubuka ngaselwandle, uLwandle Olubomvu.

[8]Nokho wabasindisa ngenxa yegama lakhe, ukuze abonakalise amandla akhe.

[9] Wakhuza uLwandle Olubomvu, lwasha; wabaholela ekujuleni njengasehlane.

[10]Wabasindisa esandleni sababazondayo, wabakhulula esandleni sesitha.

[11]Amanzi asibekela izitha zabo; akwasala noyedwa kubo.

[12] Khona bakholwa ngamazwi akhe, bahlabelela udumo lwakhe.

[13]Bashesha bakhohlwa imisebenzi yakhe, abalindelanga isiluleko sakhe.

[14] Bahaha nokuhaha ehlane, bamlinga uNkulunkulu kwahlongasibi.

[15] Wabanika abakufisayo, kepha wathuma ukonda emiphefumulweni yabo.

[16] Baba nomhawu ngoMose ekamu, nango-Aroni ongcwele kaJehova.

[17] Umhlaba wavuleka, wamgwinya uDathani, wagqiba iviyo lika-Abiramu.

[18]Kokheleka umlilo eviyweni labo; ilangabi lashisa laqeda ababi.

[19] Em Horebe, fizeram um bezerro e adoraram o ídolo fundido.
[20] E, assim, trocaram a glória de Deus pelo simulacro de um novilho que come erva.

[21] Esqueceram-se de Deus, seu Salvador, que, no Egito, fizera coisas portentosas,

[22] maravilhas na terra de Cam, tremendos feitos no mar Vermelho.

[23] Tê-los-ia exterminado, como dissera, se Moisés, seu escolhido, não se houvesse interposto, impedindo que sua cólera os destruísse.

[24] Também desprezaram a terra aprazível e não deram crédito à sua palavra;
[25] antes, murmuraram em suas tendas e não acudiram à voz do SENHOR.
[26] Então, lhes jurou, de mão erguida, que os havia de arrasar no deserto;
[27] e também derribaria entre as nações a sua descendência e os dispersaria por outras terras.
[28] Também se juntaram a Baal-Peor e comeram os sacrifícios dos ídolos mortos.
[29] Assim, com tais ações, o provocaram à ira; e grassou peste entre eles.
[30] Então, se levantou Finéias e executou o juízo; e cessou a peste.

[31] Isso lhe foi imputado por justiça, de geração em geração, para sempre.

[32] Depois, o indignaram nas águas de Meribá, e, por causa deles, sucedeu mal a Moisés,

[19] Benza ithole eHorebe; bakhuleka kuso isithombe esibunjiweyo.
[20] Baguqula kanjalo inkazimulo yabo, yaba njengenkabi edla utshani.
[21]Bakhohlwa uNkulunkulu umsindisi wabo owayezenzile izinto ezinkulu eGibithe,
[22] izimangaliso ezweni likaHamu nokwesabekayo ngaseLwandle Olubomvu.
[23] Wathi ubezakubabhubhisa, uma uMose okhethiweyo wakhe ebengemanga ebusweni bakhe ukubakhulumela, ukuze amyekise intukuthelo yakhe, funa ababhubhise.
[24] Badelela izwe elihle, babengakholwa yizwi lakhe.
[25]Bakhonona besematendeni abo; babengalaleli izwi likaJehova.
[26] Ngalokho waphakamisa isandla sakhe ngakubo ukuba abawise ehlane,

[27] awise nenzalo yabo phakathi kwabezizwe, abahlakaze emazweni.

[28] Bazihlanganisa noBali Peyori, badla okuhlatshelwe abafileyo.
[29]Bamcunula ngezenzo zabo; kwabhoboka isifo phakathi kwabo.
[30] Wayesesuka uFinehasi, wahlulela; saphela isifo;
[31] lokhu wakubalelwa njengokulunga ezizukulwaneni ngezizukulwane kuze kube phakade.

[32] Bamcunula ngasemanzini aseMeriba; kwaba kubi kuMose ngenxa yabo.

[33] pois foram rebeldes ao Espírito de Deus, e Moisés falou irrefletidamente.

[34] Não exterminaram os povos, como o SENHOR lhes ordenara.

[35] Antes, se mesclaram com as nações e lhes aprenderam as obras;

[36] deram culto a seus ídolos, os quais se lhes converteram em laço;

[37] pois imolaram seus filhos e suas filhas aos demônios

[38] e derramaram sangue inocente, o sangue de seus filhos e filhas, que sacrificaram aos ídolos de Canaã; e a terra foi contaminada com sangue.

[39] Assim se contaminaram com as suas obras e se prostituíram nos seus feitos.

[40] Acendeu-se, por isso, a ira do SENHOR contra o seu povo, e ele abominou a sua própria herança

[41] e os entregou ao poder das nações; sobre eles dominaram os que os odiavam.

[42] Também os oprimiram os seus inimigos, sob cujo poder foram subjugados.

[43] Muitas vezes os libertou, mas eles o provocaram com os seus conselhos e, por sua iniqüidade, foram abatidos.

[44] Olhou-os, contudo, quando estavam angustiados e lhes ouviu o clamor;

[45] lembrou-se, a favor deles, de sua aliança e se compadeceu, segundo a multidão de suas misericórdias.

[46] Fez também que lograssem compaixão de todos os que os levaram cativos.

[33] Ngokuba baphambana noMoya wakhe; wakhuluma ngamawala ngomlomo wakhe.

[34] Abababhubhisanga abantu uJehova abayaleza ngabo,

[35] kepha bahlangana nabezizwe, bafunda imisebenzi yabo.

[36]Bakhonza izithombe zabo, zaba lugibe kubo.

[37] Amadodana namadodakazi abo bawahlabela amademoni.

[38] Bachitha igazi elingenacala, igazi lamadodana abo namadodakazi abo abawahlabela izithombe zaseKhanani; izwe langcoliswa yigazi.

[39]Bangcola kanjalo ngemisebenzi yabo, baphinga ezenzweni zabo.

[40]Intukuthelo kaJehova yokheleka ngakubantu bakhe; ifa lakhe laba yisinengiso kuye.

[41] Wabanikela esandleni sabezizwe; ababazondayo bababusa.

[42]Izitha zabo zabacindezela, bathotshiswa phansi kwesandla sazo.

[43]Kaningi wabakhulula; kepha bahlubuka ngecebo labo, bawiswa phansi ngobubi babo.

[44]Nokho wanaka ukuhlupheka kwabo, esezwile ukukhala kwabo.

[45] Wabakhumbulela isivumelwano sakhe; waphenduka ngokobuningi bomusa wakhe.

[46]Wabatholisa ububele ebusweni babo bonke ababebathumbile.

[47] Salva-nos, SENHOR, nosso Deus, e congrega-nos de entre as nações, para que demos graças ao teu santo nome e nos gloriemos no teu louvor.

[48] Bendito seja o SENHOR, Deus de Israel, de eternidade a eternidade; e todo o povo diga: Amém! Aleluia!

Livro V

Salmos 107 - 150

Salmo 107

Deus salva de todas as tribulações

[1] Rendei graças ao SENHOR, porque ele é bom, e a sua misericórdia dura para sempre.

[2] Digam-no os remidos do SENHOR, os que ele resgatou da mão do inimigo

[3] e congregou de entre as terras, do Oriente e do Ocidente, do Norte e do mar.

[4] Andaram errantes pelo deserto, por ermos caminhos, sem achar cidade em que habitassem.

[5] Famintos e sedentos, desfalecia neles a alma.

[6] Então, na sua angústia, clamaram ao SENHOR, e ele os livrou das suas tribulações.

[7] Conduziu-os pelo caminho direito, para que fossem à cidade em que habitassem.

[8] Rendam graças ao SENHOR por sua bondade e por suas maravilhas para com os filhos dos homens!

[47] Sisindise, Jehova Nkulunkulu wethu, sibuthe kwabezizwe ukuba sidumise igama lakho elingcwele, sethabe ekukudumiseni.

[48]Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli kusukela phakade kuze kube phakade. Abantu bonke mabathi: Amen. Haleluya!

Incwadi Yesihlanu

Amahubo 107 -- 150

AmaHubo 107

Ukubonga iNkosi kwabakhululekileyo bakwa-Israyeli

[1] Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

[2] Mabasho njalo abahlengiweyo bakaJehova, abahlengileyo esandleni sesitha;

[3] wababutha emazweni, empumalanga nasentshonalanga, enyakatho naselwandle.

[4] Bazulazula ehlane ngendlela yakwahlongasibi, abafumananga umuzi wokuhlala.

[5]Belambile, bomile, umphefumulo wabo waphela amandla phakathi kwabo.

[6]Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo; wabakhulula ezinsizini zabo.

[7]Wabahola ngendlela elungileyo ukuba baye emzini wokuhlala.

[8]Mababonge uJehova ngomusa wakhe nezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

[9] Pois dessedentou a alma sequiosa e fartou de bens a alma faminta.

[9]Ngokuba usuthisa umphefumulo olangazelayo; umphefumulo olambayo uyawugcwalisa ngokuhle.

[10] Os que se assentaram nas trevas e nas sombras da morte, presos em aflição e em ferros,

[10] Babehlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa beboshiwe osizini nasensimbini,

[11] por se terem rebelado contra a palavra de Deus e haverem desprezado o conselho do Altíssimo,

[11] ngokuba babephambene namazwi kaNkulunkulu, babesidelele isiluleko soPhezukonke.

[12] de modo que lhes abateu com trabalhos o coração – caíram, e não houve quem os socorresse.

[12]Wathobisa inhliziyo yabo ngokuhlupheka; bawa kungekho osizayo.

[13] Então, na sua angústia, clamaram ao SENHOR, e ele os livrou das suas tribulações.

[13]Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo, wabakhulula ezinsizini zabo.

[14] Tirou-os das trevas e das sombras da morte e lhes despedaçou as cadeias.

[14]Wabakhipha ebumnyameni nasethunzini lokufa, wagqabula izibopho zabo.

[15] Rendam graças ao SENHOR por sua bondade e por suas maravilhas para com os filhos dos homens!

[15]Mababonge uJehova ngomusa wakhe nangezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

[16] Pois arrombou as portas de bronze e quebrou as trancas de ferro.

[16]Ngokuba waphulile amasango ethusi, wanquma imigoqo yensimbi.

[17] Os estultos, por causa do seu caminho de transgressão e por causa das suas iniqüidades, serão afligidos.

[17]Babe yizithutha ngenxa yeziphambeko zabo; ngenxa yobubi babo babehlushwa.

[18] A sua alma aborreceu toda sorte de comida, e chegaram às portas da morte.

[18] Umphefumulo wabo wenyanya konke ukudla; basondela emasangweni okufa.

[19] Então, na sua angústia, clamaram ao SENHOR, e ele os livrou das suas tribulações.

[19]Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo; wabakhulula ezinsizini zabo.

[20] Enviou-lhes a sua palavra, e os sarou, e os livrou do que lhes era mortal.

[20]Wathuma izwi lakhe, wabaphilisa, wabakhulula emathuneni abo.

[21] Rendam graças ao SENHOR por sua bondade e por suas maravilhas para com os filhos dos homens!

[22] Ofereçam sacrifícios de ações de graças e proclamem com júbilo as suas obras!

[23] Os que, tomando navios, descem aos mares, os que fazem tráfico na imensidade das águas,

[24] esses vêem as obras do SENHOR e as suas maravilhas nas profundezas do abismo.

[25] Pois ele falou e fez levantar o vento tempestuoso, que elevou as ondas do mar.

[26] Subiram até aos céus, desceram até aos abismos; no meio destas angústias, desfalecia-lhes a alma.

[27] Andaram, e cambalearam como ébrios, e perderam todo tino.

[28] Então, na sua angústia, clamaram ao SENHOR, e ele os livrou das suas tribulações.

[29] Fez cessar a tormenta, e as ondas se acalmaram.

[30] Então, se alegraram com a bonança; e, assim, os levou ao desejado porto.

[31] Rendam graças ao SENHOR por sua bondade e por suas maravilhas para com os filhos dos homens!

[32] Exaltem-no também na assembléia do povo e o glorifiquem no conselho dos anciãos.

[21]Mababonge uJehova ngomusa wakhe, nezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

[22]Mabanikele iminikelo yokubonga, balande imisebenzi yakhe ngokwethaba.

[23]Behlela elwandle ngemikhumbi, bathengiselana emanzini amakhulu.

[24]Laba babona imisebenzi kaJehova nezimangaliso zakhe ekujuleni.

[25]Ngokuba wakhuluma, wavusa umoya wesiphepho owaphakamisa amadlambi olwandle.

[26]Bakhuphukela ezulwini, babuye behlela kuzo izintwa; umphefumulo wancibilika ngosizi.

[27]Bayendayenda, bantengezela njengodakiweyo; konke ukuhlakanipha kwabo kwagwinywa.

[28]Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo, wabakhulula ezinsizini zabo.

[29]Wathulisa isiphepho, kwaze kwaba ngukuthula, kwathula namadlambi olwandle.

[30] Base bethokoza, ngokuba kwaba ngukuthula; wabaholela ethekwini lokufisa kwabo.

[31]Mababonge uJehova ngomusa wakhe nangezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

[32]Mabamphakamise ebandleni labantu, bamdumise emhlanganweni wamalunga.

33 Ele converteu rios em desertos e mananciais, em terra seca;

34 terra frutífera, em deserto salgado, por causa da maldade dos seus habitantes.

35 Converteu o deserto em lençóis de água e a terra seca, em mananciais.

36 Estabeleceu aí os famintos, os quais edificaram uma cidade em que habitassem.

37 Semearam campos, e plantaram vinhas, e tiveram fartas colheitas.

38 Ele os abençoou, de sorte que se multiplicaram muito; e o gado deles não diminuiu.

39 Mas tornaram a reduzir-se e foram humilhados pela opressão, pela adversidade e pelo sofrimento.

40 Lança ele o desprezo sobre os príncipes e os faz andar errantes, onde não há caminho.

41 Mas levanta da opressão o necessitado, para um alto retiro, e lhe prospera famílias como rebanhos.

42 Os retos vêem isso e se alegram, mas o ímpio por toda parte fecha a boca.

43 Quem é sábio atente para essas coisas e considere as misericórdias do SENHOR.

Salmo 108

Deus concede vitória ao seu povo

Salmo 57.7-11; Vs. 6-13: Salmo 60.5-12

Cântico. Salmo de Davi

1 Firme está o meu coração, ó Deus! Cantarei e entoarei louvores de toda a minha alma.

33Imifula wayiphendula ihlane, nemithombo yamanzi isigagadu,

34 nomhlabathi ovundileyo waba lugwadule lukasawoti ngenxa yobubi babahlezi khona.

35 Ihlane waliphendula amachibi amanzi, nomhlabathi owomileyo imithombo yamanzi.

36Wabahlalisa khona abalambileyo, bakha khona umuzi wokuhlala.

37Balima amasimu, batshala isivini, kwabathelela izithelo.

38 Wababusisa, banda kakhulu, akanciphisa izinkomo zabo.

39 Babuye bancipha, bathotshiswa ngokucindezelwa, nangobubi, nangosizi.

40 Wathela ukudelelwa phezu kwezikhulu, wabazulazulisa ehlane elingenandlela.

41Nokho waphakamisa ompofu, wamkhipha osizini, enza imindeni njengomhlambi.

42 Olungileyo uyakukubona, ajabule; ububi bonke bumelwe ukuvala umlomo.

43Ohlakaniphileyo makaqaphele lokhu; bayakuqonda umusa kaJehova.

AmaHubo 108

Umkhuleko wokunqoba izitha

Igama. Ihubo likaDavide.

1 Inhliziyo yami iduduzekile, Nkulunkulu; ngizakuhlabelela, ngihube, ngisho nomphefumulo wami.

[2] Despertai, saltério e harpa! Quero acordar a alva.

[3] Render-te-ei graças entre os povos, ó SENHOR! Cantar-te-ei louvores entre as nações.

[4] Porque acima dos céus se eleva a tua misericórdia, e a tua fidelidade, para além das nuvens.

[5] Sê exaltado, ó Deus, acima dos céus; e em toda a terra esplenda a tua glória,

[6] para que os teus amados sejam livres; salva com a tua destra e responde-nos.

[7] Disse Deus na sua santidade: Exultarei; dividirei Siquém e medirei o vale de Sucote.

[8] Meu é Gileade, meu é Manassés; Efraim é a defesa de minha cabeça; Judá é o meu cetro.

[9] Moabe, porém, é a minha bacia de lavar; sobre Edom atirarei a minha sandália; sobre a Filístia jubilarei.

[10] Quem me conduzirá à cidade fortificada? Quem me guiará até Edom?

[11] Não nos rejeitaste, ó Deus? Tu não sais, ó Deus, com os nossos exércitos!

[12] Presta-nos auxílio na angústia, pois vão é o socorro do homem.

[13] Em Deus faremos proezas, porque ele mesmo calca aos pés os nossos adversários.

Salmo 109

[2]Vukani, lugubhu nehabhu! Ngizakuvusa ukusa.

[3]Ngizakukubonga phakathi kwabantu, Jehova, ngikudumise phakathi kwezizwe.

[4] Ngokuba umusa wakho mkhulu phezu kwezulu, nokuthembeka kwakho kuze kube semafwini.

[5]Phakama, Nkulunkulu, phezu kwezulu, inkazimulo yakho ibe phezu komhlaba wonke.

[6] Ukuze abathandekayo bakho bakhululwe, sindisa ngesandla sakho sokunene, ungizwele.

[7]UNkulunkulu ukhulumile ebungcweleni bakhe, wathi: Ngiyakwethaba; ngiyakulidabula iShekemi, ngisilinganise isiGodi saseSukoti.

[8]Ngowami uGileyadi, ngowami uManase; u-Efrayimi uyisivikelo sekhanda lami, uJuda uyintonga yami yokubusa.

[9]UMowabi uyisitsha sami sokuhlambela; phezu kuka-Edomi ngiphonsa isicathulo sami; phezu kweFilistiya ngiyethaba.

[10]Ngubani oyakungiyisa emzini oyinqaba na? Ngubani oyakungiholela kwa-Edomi na?

[11]Akusiwena Nkulunkulu osilahlileyo na? Nkulunkulu, awusaphumi nezimpi zethu.

[12]Siphe ukuba sisizakale ekuhlupekeni, ngokuba ukusiza komuntu kuyize.

[13] NgoNkulunkulu siyakwenza izenzo zamandla; yena uyakunyathela phansi izitha zethu.

AmaHubo 109

Imprecações contra os inimigos
Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Ó Deus do meu louvor, não te cales!

[2] Pois contra mim se desataram lábios maldosos e fraudulentos; com mentirosa língua falam contra mim.

[3] Cercam-me com palavras odiosas e sem causa me fazem guerra.

[4] Em paga do meu amor, me hostilizam; eu, porém, oro.

[5] Pagaram-me o bem com o mal; o amor, com ódio.

[6] Suscita contra ele um ímpio, e à sua direita esteja um acusador.

[7] Quando o julgarem, seja condenado; e, tida como pecado, a sua oração.

[8] Os seus dias sejam poucos, e tome outro o seu encargo.

[9] Fiquem órfãos os seus filhos, e viúva, a sua esposa.

[10] Andem errantes os seus filhos e mendiguem; e sejam expulsos das ruínas de suas casas.

[11] De tudo o que tem, lance mão o usurário; do fruto do seu trabalho, esbulhem-no os estranhos.

[12] Ninguém tenha misericórdia dele, nem haja quem se compadeça dos seus órfãos.

[13] Desapareça a sua posteridade, e na seguinte geração se extinga o seu nome.

[14] Na lembrança do SENHOR, viva a iniqüidade de seus pais, e não se apague o pecado de sua mãe.

Ngezitha ezikhohlisayo
Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo.

[1] Ungathuli, Nkulunkulu wokubonga kwami.

[2] Ngokuba umlomo womubi nomlomo wenkohliso bawuvulile ngakimi; bakhulumile ngami ngolimi lwamanga.

[3]Bangizungeza ngamazwi enzondo; balwa nami, kungekho sizathu.

[4]Ngenxa yothando lwami bayangizonda, mina ngisemkhulekweni njalo.

[5] Bangibuyisele okubi ngokuhle, nenzondo ngothando lwami.

[6] Beka omubi phezu kwakhe; makume omelene naye ngasesandleni sakhe sokunene.

[7] Ekwahlulelweni kwakhe makalahlwe yicala; umkhuleko wakhe mawube yisono.

[8] Izinsuku zakhe mazibe yingcosana, omunye athathe isikhundla sakhe.

[9] Abantwana bakhe mababe yizintandane, umkakhe abe ngumfelokazi.

[10] Abantwana bakhe mababe yizintandane, baphanze, bacele bekude nezindawo zabo ezichithekileyo.

[11]Umtsheleki makabambe konke anakho, abafo baphange izithelo zomsebenzi wakhe.

[12]Makungabikho omenzela umusa, futhi kungabikho ohawukela izintandane zakhe.

[13] Inzalo yakhe mayinqunywe; igama layo malesulwe esizukulwaneni esilandelayo.

[14] Ububi bawoyise mabukhumbuleke kuJehova; masingesulwa isono sikanina.

[15] Permaneçam ante os olhos do SENHOR, para que faça desaparecer da terra a memória deles.

[16] Porquanto não se lembrou de usar de misericórdia, mas perseguiu o aflito e o necessitado, como também o quebrantado de coração, para os entregar à morte.

[17] Amou a maldição; ela o apanhe; não quis a bênção; aparte-se dele.

[18] Vestiu-se de maldição como de uma túnica: penetre, como água, no seu interior e nos seus ossos, como azeite.

[19] Seja-lhe como a roupa que o cobre e como o cinto com que sempre se cinge.

[20] Tal seja, da parte do SENHOR, o galardão dos meus contrários e dos que falam mal contra a minha alma.

[21] Mas tu, SENHOR Deus, age por mim, por amor do teu nome; livra-me, porque é grande a tua misericórdia.

[22] Porque estou aflito e necessitado e, dentro de mim, sinto ferido o coração.

[23] Vou passando, como a sombra que declina; sou atirado para longe, como um gafanhoto.

[24] De tanto jejuar, os joelhos me vacilam, e de magreza vai mirrando a minha carne.

[25] Tornei-me para eles objeto de opróbrio; quando me vêem, meneiam a cabeça.

[26] Socorre, SENHOR, Deus meu! Salva-me segundo a tua misericórdia.

[15] Mabeme phambi kukaJehova njalo, kunqunywe isikhumbuzo sabo emhlabeni.

[16]Ngokuba wayengakhumbuli ukwenza umusa, kepha wazingela umuntu odingayo nompofu nodabukile ngenhliziyo ukuba ababulale.

[17]Wathanda ukuthuka, kweza phezu kwakhe; wayengathokozi ngesibusiso, sahlala kude naye.

[18]Wagqoka ukuthuka njengesambatho, kwangena ezibilinini zakhe njengamanzi, nasemathanjeni akhe njengamafutha.

[19]Makube kuye njengesambatho asembathayo nebhande azibopha ngalo isikhathi sonke.

[20]Lokhu makube ngumvuzo wezitha, uvela kuJehova, nowabakhuluma kabi ngomphefumulo wami.

[21] Kepha wena Jehova, Nkosi yami, ngiphathe ngokwegama lakho; njengokuba umusa wakho ulungile, ngisindise.

[22]Ngokuba ngingodingayo nompofu; inhliziyo yami ilimele phakathi kwami.

[23] Njengethunzi eselilide ngiyamuka; njengesikhonyane ngiyapheshulwa.

[24]Amadolo ami abuthakathaka ngokuzila ukudla, nomzimba wami uswele ukukhuluphala.

[25] Futhi ngaba yisihlamba kubona; bengibheka banikina amakhanda abo.

[26]Ngisize, Jehova Nkulunkulu wami, ngisindise ngokomusa wakho,

[27] Para que saibam vir isso das tuas mãos; que tu, SENHOR, o fizeste.
[28] Amaldiçoem eles, mas tu, abençoa; sejam confundidos os que contra mim se levantam; alegre-se, porém, o teu servo.
[29] Cubram-se de ignomínia os meus adversários, e a sua própria confusão os envolva como uma túnica.
[30] Muitas graças darei ao SENHOR com os meus lábios; louvá-lo-ei no meio da multidão;

[31] porque ele se põe à direita do pobre, para o livrar dos que lhe julgam a alma.

Salmo 110

O reino e o sacerdócio do Messias

Salmo de Davi

[1] Disse o SENHOR ao meu senhor: Assenta-te à minha direita, até que eu ponha os teus inimigos debaixo dos teus pés.

[2] O SENHOR enviará de Sião o cetro do seu poder, dizendo: Domina entre os teus inimigos.
[3] Apresentar-se-á voluntariamente o teu povo, no dia do teu poder; com santos ornamentos, como o orvalho emergindo da aurora, serão os teus jovens.
[4] O SENHOR jurou e não se arrependerá: Tu és sacerdote para sempre, segundo a ordem de Melquisedeque.

[5] O SENHOR, à tua direita, no dia da sua ira, esmagará os reis.

[27]ukuze bazi ukuthi lokhu kuyisandla sakho; wena Jehova ukwenzile.
[28]Mabathuke bona, wena ubusise; nxa bevuka, mabajabhe; kepha inceku yakho mayithokoze.
[29] Abamelene nami mabembeswe amahloni, bagqoke ukujabha njengesambatho.

[30] Ngiyakumbonga uJehova ngomlomo wami, ngimdumise esixukwini.

[31] Ngokuba uyakuma ngakwesokunene sompofu ukumsindisa kulabo abalahla umphefumulo wakhe.

AmaHubo 110

INkosi yaseSiyoni ingumpristi ngendlela kaMelkisedeki

ElikaDavide. Ihubo.

[1] UJehova wathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami, ngize ngenze izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.
[2] Intonga yamandla akho uJehova uyakuyelula eseSiyoni; busa wena phakathi kwezitha zakho.
[3] Abantu bakho bayazinikela ngenjabulo ngosuku lwempi yakho; ebuhleni bobungcwele abasha bakho bavela njengamazolo esizalweni sokusa.
[4] UJehova ufungile engayikuguquka, wathi: Wena ungumpristi kuze kube phakade ngendlela kaMelkisedeki.
[5]INkosi ingakwesokunene sakho; iyakuchoboza amakhosi ngosuku lwentukuthelo yayo.

[6] Ele julga entre as nações; enche-as de cadáveres; esmagará cabeças por toda a terra.
[7] De caminho, bebe na torrente e passa de cabeça erguida.

[6] Iyakwahlulela phakathi kwabezizwe, kugcwale izidumbu, ichoboze amakhanda ezizweni eziningi.
[7]Iyakuphuza emfuleni ngasendleleni; ngalokho iyakuphakamisa ikhanda.

Salmo 111

As obras magníficas de Deus

[1] Aleluia! De todo o coração renderei graças ao SENHOR, na companhia dos justos e na assembléia.
[2] Grandes são as obras do SENHOR, consideradas por todos os que nelas se comprazem.
[3] Em suas obras há glória e majestade, e a sua justiça permanece para sempre.
[4] Ele fez memoráveis as suas maravilhas; benigno e misericordioso é o SENHOR.
[5] Dá sustento aos que o temem; lembrar-se-á sempre da sua aliança.
[6] Manifesta ao seu povo o poder das suas obras, dando-lhe a herança das nações.
[7] As obras de suas mãos são verdade e justiça; fiéis, todos os seus preceitos.
[8] Estáveis são eles para todo o sempre, instituídos em fidelidade e retidão.
[9] Enviou ao seu povo a redenção; estabeleceu para sempre a sua aliança; santo e tremendo é o seu nome.
[10] O temor do SENHOR é o princípio da sabedoria; revelam prudência todos os que

AmaHubo 111

Izenzo ezinhle zikaJehova kubo abantu besivumelwano sakhe

[1] Haleluya! Ngiyakubonga uJehova ngenhliziyo yami yonke emhlanganweni nasebandleni labaqotho.
[2]Mikhulu imisebenzi kaJehova, iphenywa yibo bonke abathokoza ngayo.
[3]Umsebenzi wakhe ungubukhosi nodumo, nokulunga kwakhe kumi phakade.
[4]Wenzele izimangaliso zakhe isikhumbuzo; uJehova unomusa nobubele.
[5] Abamesabayo ubapha ukudla; ukhumbula njalo isivumelwano sakhe.
[6]Ubonisile abantu bakhe amandla emisebenzi yakhe ngokubapha ifa labezizwe.
[7]Imisebenzi yezandla zakhe iyiqiniso nokwahlulela; imithetho yonke yakhe iqinile;
[8]imisiwe ngeqiniso nangobuqotho.
[9] Wabathumela abantu bakhe ukukhululwa; uyalezile isivumelwano sakhe kuze kube phakade; lingcwele, liyesabeka igama lakhe.
[10] Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha; banengqondo enhle

o praticam. O seu louvor permanece para sempre.

Salmo 112

Promessa da vida futura aos piedosos

[1] Aleluia! Bem-aventurado o homem que teme ao SENHOR e se compraz nos seus mandamentos.

[2] A sua descendência será poderosa na terra; será abençoada a geração dos justos.

[3] Na sua casa há prosperidade e riqueza, e a sua justiça permanece para sempre.

[4] Ao justo, nasce luz nas trevas; ele é benigno, misericordioso e justo.

[5] Ditoso o homem que se compadece e empresta; ele defenderá a sua causa em juízo;

[6] não será jamais abalado; será tido em memória eterna.

[7] Não se atemoriza de más notícias; o seu coração é firme, confiante no SENHOR.

[8] O seu coração, bem firmado, não teme, até ver cumprido, nos seus adversários, o seu desejo.

[9] Distribui, dá aos pobres; a sua justiça permanece para sempre, e o seu poder se exaltará em glória.

[10] O perverso vê isso e se enraivece; range os dentes e se consome; o desejo dos perversos perecerá.

Salmo 113

bonke abakwenzayo. Udumo lwakhe lumi kuze kube phakade.

AmaHubo 112

Inhlanhla yomesabayo uNkulunkulu

[1] Haleluya! Ubusisiwe umuntu omesabayo uJehova, othokoza kakhulu ngemithetho yakhe.

[2] Inzalo yakhe iyakuba namandla emhlabeni; isizukulwane sabaqotho siyakubusiswa.

[3]Ingcebo nemfuyo kusendlini yakhe; ukulunga kwakhe kumi phakade.

[4] Kuyabaphumela abalungileyo ukukhanya ebumnyameni: umusa, nobubele, nokulunga.

[5] Umuntu omuhle nguye onomusa, otshelekayo, esekela izindaba zakhe ngokulunga.

[6]Ngokuba akayikugudluka kuze kube phakade; olungileyo uyakukhunjulwa kuze kube phakade.

[7] Akesabi imibiko emibi; inhliziyo yakhe iqinile, iyethemba uJehova.

[8] Imisekile inhliziyo yakhe, ayesabi, aze azibuke izitha zakhe ziphansi.

[9] Uyaphana, uyabanika abampofu; ukulunga kwakhe kumi kuze kube phakade; uphondo lwakhe luyakuphakama ngodumo.

[10] Omubi uyakukubona, acunuke, agedle amazinyo akhe, abesephela; isifiso sababi siyakubhubha.

AmaHubo 113

O Senhor, o maior e mais digno objeto de louvor

1 Aleluia! Louvai, servos do SENHOR, louvai o nome do SENHOR.

2 Bendito seja o nome do SENHOR, agora e para sempre.

3 Do nascimento do sol até ao ocaso, louvado seja o nome do SENHOR.

4 Excelso é o SENHOR, acima de todas as nações, e a sua glória, acima dos céus.

5 Quem há semelhante ao SENHOR, nosso Deus, cujo trono está nas alturas,

6 que se inclina para ver o que se passa no céu e sobre a terra?

7 Ele ergue do pó o desvalido e do monturo, o necessitado,

8 para o assentar ao lado dos príncipes, sim, com os príncipes do seu povo.

9 Faz que a mulher estéril viva em família e seja alegre mãe de filhos. Aleluia!

Salmo 114

As maravilhas do êxodo

1 Quando saiu Israel do Egito, e a casa de Jacó, do meio de um povo de língua estranha,

2 Judá se tornou o seu santuário, e Israel, o seu domínio.

3 O mar viu isso e fugiu; o Jordão tornou atrás.

4 Os montes saltaram como carneiros, e as colinas, como cordeiros do rebanho.

Ukumbonga uJehova ngokunaka kwakhe ompofu

1 Haleluya! Dumisani nina zinceku zikaJehova, nidumise igama likaJehova.

2 Malibongwe igama likaJehova kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade.

3 Kusukela ekuphumeni kwelanga kuze kube sekushoneni kwalo igama likaJehova malidunyiswe.

4UJehova uphakeme phezu kwezizwe zonke, inkazimulo yakhe iphezu kwezulu.

5 Ngubani onjengoJehova uNkulunkulu wethu, ohlezi phezulu,

6ozithoba ukubona ezulwini nasemhlabeni, na?

7 Uyavusa odingayo othulini, aphakamise ompofu ezaleni,

8ukuze amhlalise nezikhulu, yebo, izikhulu zabantu bakhe.

9 Inyumba uyayipha ukuphatha umuzi, ibe ngunina othokozayo wabantwana. Haleluya!

AmaHubo 114

Ukukhishwa okumangalisayo kuka-Israyeli eGibithe

1 Kwathi ukuba u-Israyeli aphume eGibithe, indlu kaJakobe kubantu bolunye ulimi,

2 khona uJuda waba yindlu yakhe engcwele, u-Israyeli waba ngumbuso wakhe.

3 Ulwandle lwakubona, lwabaleka, iJordani labuyiselwa emuva.

4 Izintaba zatshekula njengezinqama, amagquma njengamawundlu.

[5] Que tens, ó mar, que assim foges? E tu, Jordão, para tornares atrás?
[6] Montes, por que saltais como carneiros? E vós, colinas, como cordeiros do rebanho?
[7] Estremece, ó terra, na presença do SENHOR, na presença do Deus de Jacó,
[8] o qual converteu a rocha em lençol de água e o seixo, em manancial.

Salmo 115

Honras somente a Deus

[1] Não a nós, SENHOR, não a nós, mas ao teu nome dá glória, por amor da tua misericórdia e da tua fidelidade.
[2] Por que diriam as nações: Onde está o Deus deles?
[3] No céu está o nosso Deus e tudo faz como lhe agrada.
[4] Prata e ouro são os ídolos deles, obra das mãos de homens.
[5] Têm boca e não falam; têm olhos e não vêem;
[6] têm ouvidos e não ouvem; têm nariz e não cheiram.
[7] Suas mãos não apalpam; seus pés não andam; som nenhum lhes sai da garganta.
[8] Tornem-se semelhantes a eles os que os fazem e quantos neles confiam.
[9] Israel confia no SENHOR; ele é o seu amparo e o seu escudo.

[5]Unani wena lulwandle ukuba ubaleke, nawe Jordani ukuba ubuyiselwe emuva,
[6]nani zintaba ukuba nitshekule njengezinqama, nani magquma eninjengamawundlu, na?
[7]Thuthumela, mhlaba, ebusweni beNkosi, ebusweni bukaNkulunkulu kaJakobe,
[8] yena ophendula idwala libe yichibi lamanzi, insengetsha ibe ngumthombo wamanzi.

AmaHubo 115

Udumo malube kuJehova yedwa

[1] Ungasiphi thina, Jehova, ungasiphi thina, kepha uliphe igama lakho inkazimulo ngenxa yomusa wakho nangenxa yeqiniso lakho.
[2] Abezizwe bayakusho ngani ukuthi: "Uphi manje uNkulunkulu wabo na?"
[3] Kepha uNkulunkulu wethu usezulwini; wenza konke akuthandayo.
[4] Izithombe zabo ziyisiliva negolide, umsebenzi wezandla zomuntu.
[5]Umlomo zinawo, kepha azikhulumi; amehlo zinawo, kepha aziboni.
[6]Izindlebe zinazo, kepha azizwa; zinamakhala, kepha azihogeli.
[7]Zinezandla, kepha aziphathi; zinezinyawo, kepha azihambi; azikhulumi ngomphimbo wazo.
[8] Abazenzayo bayafana nazo, bonke abazethembayo.
[9] Israyeli, themba kuJehova; yena ulusizo lwabo nesihlangu sabo.

10 A casa de Arão confia no SENHOR; ele é o seu amparo e o seu escudo.

11 Confiam no SENHOR os que temem o SENHOR; ele é o seu amparo e o seu escudo.

12 De nós se tem lembrado o SENHOR; ele nos abençoará; abençoará a casa de Israel, abençoará a casa de Arão.

13 Ele abençoa os que temem o SENHOR, tanto pequenos como grandes.

14 O SENHOR vos aumente bênçãos mais e mais, sobre vós e sobre vossos filhos.

15 Sede benditos do SENHOR, que fez os céus e a terra.

16 Os céus são os céus do SENHOR, mas a terra, deu-a ele aos filhos dos homens.

17 Os mortos não louvam o SENHOR, nem os que descem à região do silêncio.

18 Nós, porém, bendiremos o SENHOR, desde agora e para sempre. Aleluia!

Salmo 116

Salmo de ações de graças

1 Amo o SENHOR, porque ele ouve a minha voz e as minhas súplicas.

2 Porque inclinou para mim os seus ouvidos, invocá-lo-ei enquanto eu viver.

3 Laços de morte me cercaram, e angústias do inferno se apoderaram de mim; caí em tribulação e tristeza.

10 O wena ndlu ka-Aroni, themba kuJehova; yena ulusizo lwabo nesihlangu sabo.

11 Nina enimesabayo uJehova thembani kuJehova; yena ulusizo lwabo nesihlangu sabo.

12 UJehova usikhumbulile; uyakubusisa, abusise indlu ka-Israyeli, abusise indlu ka-Aroni.

13 Uyakubusisa abamesabayo uJehova, abancane nabakhulu.

14 UJehova uyakunandisa, nina nabantwana benu.

15 Manibe ngababusisiweyo bakaJehova owenzile izulu nomhlaba.

16 Izulu liyizulu likaJehova, kepha umhlaba wawunika abantwana babantu.

17 Abafileyo abamdumnisi uJehova, qha, noyedwa kwabehlelayo ekuthuleni.

18 Kepha thina siyakumbonga uJehova kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade. Haleluya!

AmaHubo 116

Ukudumisa kosindisiweyo

1 Ngiyamthanda uJehova, ngokuba uyezwa izwi lokukhuleka kwami.

2 Ngokuba ubekile indlebe kimi ngiyakukhuleka kuye zonke izinsuku zami.

3 Izintambo zokufa zangizungeza, nobuhlungu bendawo yabafileyo bangibamba; ngafumana ukuhlupheka nosizi.

[4] Então, invoquei o nome do SENHOR: ó SENHOR, livra-me a alma.

[5] Compassivo e justo é o SENHOR; o nosso Deus é misericordioso.

[6] O SENHOR vela pelos simples; achava-me prostrado, e ele me salvou.

[7] Volta, minha alma, ao teu sossego, pois o SENHOR tem sido generoso para contigo.

[8] Pois livraste da morte a minha alma, das lágrimas, os meus olhos, da queda, os meus pés.

[9] Andarei na presença do SENHOR, na terra dos viventes.

[10] Eu cria, ainda que disse: estive sobremodo aflito.

[11] Eu disse na minha perturbação: todo homem é mentiroso.

[12] Que darei ao SENHOR por todos os seus benefícios para comigo?

[13] Tomarei o cálice da salvação e invocarei o nome do SENHOR.

[14] Cumprirei os meus votos ao SENHOR, na presença de todo o seu povo.

[15] Preciosa é aos olhos do SENHOR a morte dos seus santos.

[16] SENHOR, deveras sou teu servo, teu servo, filho da tua serva; quebraste as minhas cadeias.

[17] Oferecer-te-ei sacrifícios de ações de graças e invocarei o nome do SENHOR.

[4]Kepha ngabiza igama likaJehova, ngathi: Ngiyakuncenga, Jehova, khulula umphefumulo wami.

[5]Unomusa uJehova, ulungile; uNkulunkulu wethu unobubele.

[6]UJehova uyalondoloza ongenabuqili; ngithotshisiwe phansi wangisindisa.

[7] Buyela ekuphumuleni kwakho, mphefumulo wami, ngokuba uJehova ukuphathe ngomusa.

[8] Yebo, ukhululile umphefumulo wami ekufeni, amehlo ami ezinyembezini, nezinyawo zami ekuweni.

[9]Ngiyakuhamba ebusweni bukaJehova ezweni labaphilayo.

[10] Ngiyakholwa, ngalokho ngiyakhuluma; ngahlushwa kakhulu.

[11] Ngathi osizini lwami: Bonke abantu banamanga.

[12]Ngiyakubuyiselani kuJehova ngazo zonke izenzo zakhe ezinhle kimina na?

[13]Ngiyakuthatha indebe yensindiso, ngibize igama likaJehova.

[14] Izithembiso zami kuJehova ngiyakuzigcwalisa, yebo, nasebusweni babantu bakhe bonke.

[15] Kuyigugu emehlweni kaJehova ukufa kwabangcwele bakhe.

[16]Ngiyinceku yakho impela, Jehova; ngiyinceku yakho, indodana yencekukazi yakho; uthukululile izintambo zami.

[17]Ngiyakunikela kuwe umnikelo wokubonga, ngibize igama likaJehova.

[18] Cumprirei os meus votos ao SENHOR, na presença de todo o seu povo,

[19] nos átrios da Casa do SENHOR, no meio de ti, ó Jerusalém. Aleluia!

Salmo 117

Todos os povos devem louvar ao Senhor

[1] Louvai ao SENHOR, vós todos os gentios, louvai-o, todos os povos.

[2] Porque mui grande é a sua misericórdia para conosco, e a fidelidade do SENHOR subsiste para sempre. Aleluia!

Salmo 118

A alegria dos justos pelo Salvador

[1] Rendei graças ao SENHOR, porque ele é bom, porque a sua misericórdia dura para sempre.

[2] Diga, pois, Israel: Sim, a sua misericórdia dura para sempre.

[3] Diga, pois, a casa de Arão: Sim, a sua misericórdia dura para sempre.

[4] Digam, pois, os que temem ao SENHOR: Sim, a sua misericórdia dura para sempre.

[5] Em meio à tribulação, invoquei o SENHOR, e o SENHOR me ouviu e me deu folga.

[6] O SENHOR está comigo; não temerei. Que me poderá fazer o homem?

[7] O SENHOR está comigo entre os que me ajudam; por isso, verei cumprido o meu desejo nos que me odeiam.

[8] Melhor é buscar refúgio no SENHOR do que confiar no homem.

[9] Melhor é buscar refúgio no SENHOR do que confiar em príncipes.

[18]Izithembiso zami kuJehova ngiyakuzigcwalisa yebo, nasebusweni babantu bakhe bonke,

[19]emagcekeni endlu kaJehova, phakathi kwakho, Jerusalema. Haleluya!

AmaHubo 117

Izizwe zonke mazibonge uJehova

[1] Dumisani uJehova nina bezizwe zonke, nimbabaze nina bantu bonke.

[2] Ngokuba umusa wakhe mkhulu kithina; iqiniso likaJehova limi phakade. Haleluya!

AmaHubo 118

Igama lokudumisa

[1] Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

[2] Makathi u-Israyeli: Yebo, umusa wakhe umi phakade.

[3]Mayithi indlu ka-Aroni: Yebo, umusa wakhe umi phakade.

[4]Mabathi abamesabayo uJehova: Yebo, umusa wakhe umi phakade.

[5] Engcingweni yami ngakhuleka kuJehova, uJehova wangiphendula endaweni ebanzi.

[6] UJehova ungakimi, angiyikwesaba; umuntu angangenzani na?

[7]UJehova ungakimi ekanye nabangisizayo; ngalokho ngiyakubabuka bephansi abangizondayo.

[8] Kuhle ukuphephela kuJehova kunokwethemba umuntu.

[9] Kuhle ukuphephela kuJehova kunokwethemba izikhulu.

[10] Todas as nações me cercaram, mas em nome do SENHOR as destruí.

[11] Cercaram-me, cercaram-me de todos os lados; mas em nome do SENHOR as destruí.

[12] Como abelhas me cercaram, porém como fogo em espinhos foram queimadas; em nome do SENHOR as destruí.

[13] Empurraram-me violentamente para me fazer cair, porém o SENHOR me amparou.

[14] O SENHOR é a minha força e o meu cântico, porque ele me salvou.

[15] Nas tendas dos justos há voz de júbilo e de salvação; a destra do SENHOR faz proezas.

[16] A destra do SENHOR se eleva, a destra do SENHOR faz proezas.

[17] Não morrerei; antes, viverei e contarei as obras do SENHOR.

[18] O SENHOR me castigou severamente, mas não me entregou à morte.

[19] Abri-me as portas da justiça; entrarei por elas e renderei graças ao SENHOR.

[20] Esta é a porta do SENHOR; por ela entrarão os justos.

[21] Render-te-ei graças porque me acudiste e foste a minha salvação.

[22] A pedra que os construtores rejeitaram, essa veio a ser a principal pedra, angular;

[23] isto procede do SENHOR e é maravilhoso aos nossos olhos.

[24] Este é o dia que o SENHOR fez; regozijemo-nos e alegremo-nos nele.

[10]Bonke abezizwe bayangizungeza; egameni likaJehova ngiyakubachitha.

[11]Bayangikaka, yebo, bayangizungeza; egameni likaJehova ngiyakubachitha.

[12]Bayangibunganyela njengezinyosi, bacimeka njengomlilo wameva; egameni likaJehova ngiyakubachitha.

[13]Bayangihlohloloza ukuba ngiwe, kepha uJehova uyangisiza.

[14] UJehova ungamandla ami nesihlabelelo sami, waba yinsindiso yami.

[15] Izwi lokwethaba nelokusindiswa lisezindlini zabalungileyo; esokunene sikaJehova senza okwamandla.

[16]Esokunene sikaJehova siphakeme, esokunene sikaJehova sisebenza ngamandla.

[17] Angiyikufa, kepha ngiyakuphila, ngishumayele imisebenzi kaJehova.

[18]UJehova wangilaya nokungilaya, kodwa akanginikelanga ekufeni.

[19] Ngivuleleni amasango okulunga, ngingene ngawo, ngimdumise uJehova.

[20]Yileli isango likaJehova; olungileyo uyakungena ngalo.

[21]Ngiyakukudumisa, ngokuba ungizwile, waba yinsindiso yami.

[22] Itshe abalinqabayo abakhi selaba yinhloko yegumbi.

[23]Lona lavela kuJehova; liyisimangaliso emehlweni ethu.

[24]Yilolu usuku alwenzileyo uJehova; siyakwethaba, sithokoze ngalo.

[25] Oh! Salva-nos, SENHOR, nós te pedimos; oh! SENHOR, concede-nos prosperidade!

[26] Bendito o que vem em nome do SENHOR. A vós outros da Casa do SENHOR, nós vos abençoamos.

[27] O SENHOR é Deus, ele é a nossa luz; adornai a festa com ramos até às pontas do altar.

[28] Tu és o meu Deus, render-te-ei graças; tu és o meu Deus, quero exaltar-te.

[29] Rendei graças ao SENHOR, porque ele é bom, porque a sua misericórdia dura para sempre.

Salmo 119

Excelência da lei divina

[1] Bem-aventurados os irrepreensíveis no seu caminho, que andam na lei do SENHOR.

[2] Bem-aventurados os que guardam as suas prescrições e o buscam de todo o coração;

[3] não praticam iniqüidade e andam nos seus caminhos.

[4] Tu ordenaste os teus mandamentos, para que os cumpramos à risca.

[5] Tomara sejam firmes os meus passos, para que eu observe os teus preceitos.

[6] Então, não terei de que me envergonhar, quando considerar em todos os teus mandamentos.

[25]Sindisa, Jehova! ngiyakuncenga; hlahlamelisa, Jehova! ngiyakucela.

[26] Makabusiswe ozayo egameni likaJehova; siyanibusisa sisendlini kaJehova.

[27]UJehova unguNkulunkulu, usikhanyisele; hlobisani umkhosi ngamahlamvu kuze kube sezimpondweni ze-altare.

[28] Wena unguNkulunkulu wami, ngiyakukubonga; Nkulunkulu wami, ngiyakukuphakamisa.

[29]Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

AmaHubo 119

Induduzo yokholwa yizwi likaNkulunkulu

[1] Babusisiwe abaqotho endleleni, abahamba ngemithetho kaJehova.

[2] Babusisiwe abagcina ubufakazi bakhe, abamfuna ngenhliziyo yonke,

[3] abangenzi ukungalungi, kepha behamba ezindleleni zakhe;

[4]wena usiyalezile ukuba sizigcine ngokwempela.

[5]Sengathi zingaqondiswa izindlela zami ukuba ngigcine izimiso zakho.

[6]Khona angiyikujabha; ngiyakuhlonipha iziyalezo zonke zakho.

[7] Render-te-ei graças com integridade de coração, quando tiver aprendido os teus retos juízos.

[8] Cumprirei os teus decretos; não me desampares jamais.

[9] De que maneira poderá o jovem guardar puro o seu caminho? Observando-o segundo a tua palavra.

[10] De todo o coração te busquei; não me deixes fugir aos teus mandamentos.

[11] Guardo no coração as tuas palavras, para não pecar contra ti.

[12] Bendito és tu, SENHOR; ensina-me os teus preceitos.

[13] Com os lábios tenho narrado todos os juízos da tua boca.

[14] Mais me regozijo com o caminho dos teus testemunhos do que com todas as riquezas.

[15] Meditarei nos teus preceitos e às tuas veredas terei respeito.

[16] Terei prazer nos teus decretos; não me esquecerei da tua palavra.

[17] Sê generoso para com o teu servo, para que eu viva e observe a tua palavra.

[18] Desvenda os meus olhos, para que eu contemple as maravilhas da tua lei.

[19] Sou peregrino na terra; não escondas de mim os teus mandamentos.

[20] Consumida está a minha alma por desejar, incessantemente, os teus juízos.

[21] Increpaste os soberbos, os malditos, que se desviam dos teus mandamentos.

[7]Ngiyakukubonga ngobuqotho benhliziyo, lapho ngifunda izahlulelo zakho ezilungileyo.

[8]Izimiso zakho ngiyakuzigcina; ungangishiyi nakanci.

[9]Insizwa iyakuyihlanza kanjani indlela yayo na? Ngokuqaphela okwezwi lakho.

[10]Ngikufunile ngenhliziyo yami yonke; mangingaphambuki emiyalweni yakho.

[11]Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho, ukuze ngingoni kuwe.

[12]Mawubongwe wena Jehova, ungifundise izimiso zakho.

[13]Ngomlomo wami ngimemezele zonke izahlulelo zomlomo wakho.

[14]Ngithokoza ngendlela yobufakazi bakho njengemfuyo.

[15]Ngiyakuzindla ngeziyalezo zakho, ngihloniphe izindlela zakho.

[16]Ngiyakuthokoza ngezimiso zakho; angiyikukhohlwa izwi lakho.

[17]Yenzele okuhle inceku yakho ukuba ngiphile, ngigcine izwi lakho.

[18]Vula amehlo ami ukuba ngibone izimangaliso zasemthethweni wakho.

[19] Ngingumfokazi emhlabeni; ungangifihleli imiyalo yakho.

[20] Umphefumulo wami waphukile ngokulangazelela njalo izahlulelo zakho.

[21] Uyakhuza abazidlayo, abaqalekisiweyo, abaduka emiyalweni yakho.

[22] Tira de sobre mim o opróbrio e o desprezo, pois tenho guardado os teus testemunhos.

[22]Susa kimi isihlamba nokudelelwa, ngokuba ngiyaqaphela ubufakazi bakho.

[23] Assentaram-se príncipes e falaram contra mim, mas o teu servo considerou nos teus decretos.

[23] Yebo, izikhulu zihlezi zikhuluma ngami; inceku yakho iyazindla ngezimiso zakho.

[24] Com efeito, os teus testemunhos são o meu prazer, são os meus conselheiros.

[24]Ubufakazi bakho buyintokozo yami, bungumluleki wami.

[25] A minha alma está apegada ao pó; vivifica-me segundo a tua palavra.

[25]Umphefumulo wami unamathela othulini; ngiphilise ngokwezwi lakho.

[26] Eu te expus os meus caminhos, e tu me valeste; ensina-me os teus decretos.

[26]Ngimemezele izindlela zami, wena wangizwa; ngifundise izimiso zakho.

[27] Faze-me atinar com o caminho dos teus preceitos, e meditarei nas tuas maravilhas.

[27]Ngiqondise indlela yeziyalezo zakho ukuba ngikhulume ngezimangaliso zakho.

[28] A minha alma, de tristeza, verte lágrimas; fortalece-me segundo a tua palavra.

[28]Umphefumulo wami uyakhala ngosizi; ngivuse ngokwezwi lakho.

[29] Afasta de mim o caminho da falsidade e favorece-me com a tua lei.

[29]Susa kimi indlela yamanga, ungiphe ngomusa umthetho wakho.

[30] Escolhi o caminho da fidelidade e decidi-me pelos teus juízos.

[30]Ngikhethile indlela yeqiniso; izahlulelo zakho ngizibekile phambi kwami.

[31] Aos teus testemunhos me apego; não permitas, SENHOR, seja eu envergonhado.

[31]Ngibambelele ebufakazini bakho; ungangijabhisi, Jehova.

[32] Percorrerei o caminho dos teus mandamentos, quando me alegrares o coração.

[32]Ngiyakugijima ngendlela yemiyalo yakho, ngokuba uyakwandisa inhliziyo yami.

[33] Ensina-me, SENHOR, o caminho dos teus decretos, e os seguirei até ao fim.

[33] Ngitshengise, Jehova, indlela yezimiso zakho; ngiyakuyigcina kuze kube sekupheleni.

[34] Dá-me entendimento, e guardarei a tua lei; de todo o coração a cumprirei.

[34]Ngiphe ingqondo, ukuze ngiqaphele umthetho wakho, ngiwugcine ngenhliziyo yami yonke.

[35] Guia-me pela vereda dos teus mandamentos, pois nela me comprazo.

[35]Ngihambise endleleni yemiyalo yakho, ngokuba ngiyathokoza ngayo.

[36] Inclina-me o coração aos teus testemunhos e não à cobiça.

[37] Desvia os meus olhos, para que não vejam a vaidade, e vivifica-me no teu caminho.

[38] Confirma ao teu servo a tua promessa feita aos que te temem.

[39] Afasta de mim o opróbrio, que temo, porque os teus juízos são bons.

[40] Eis que tenho suspirado pelos teus preceitos; vivifica-me por tua justiça.

[41] Venham também sobre mim as tuas misericórdias, SENHOR, e a tua salvação, segundo a tua promessa.

[42] E saberei responder aos que me insultam, pois confio na tua palavra.

[43] Não tires jamais de minha boca a palavra da verdade, pois tenho esperado nos teus juízos.

[44] Assim, observarei de contínuo a tua lei, para todo o sempre.

[45] E andarei com largueza, pois me empenho pelos teus preceitos.

[46] Também falarei dos teus testemunhos na presença dos reis e não me envergonharei.

[47] Terei prazer nos teus mandamentos, os quais eu amo.

[48] Para os teus mandamentos, que amo, levantarei as mãos e meditarei nos teus decretos.

[49] Lembra-te da promessa que fizeste ao teu servo, na qual me tens feito esperar.

[50] O que me consola na minha angústia é isto: que a tua palavra me vivifica.

[36] Thobisela inhliziyo yami ebufakazini bakho, kungabi sekuhaheni.

[37]Phendula amehlo ami, angaboni okuyize, ungiphilise endleleni yakho.

[38]Yigcwalise encekwini yakho inkulumo yakho eyenza ukuba wesatshwe.

[39]Dlulisa isihlamba engisesabayo, ngokuba izahlulelo zakho zinhle.

[40]Bheka, ngiyalangazelela iziyalezo zakho; ngiphilise ngokulunga kwakho.

[41]Mawuze kimi umusa wakho, Jehova, insindiso yakho ngokwezwi lakho.

[42]Khona ngiyakumphendula ongithukayo, ngokuba ngiyalethemba izwi lakho.

[43]Ungalisusi emlonyeni wami ngokupheleleyo izwi leqiniso, ngokuba ngiyethemba izahlulelo zakho.

[44]Khona ngiyakuwugcina njalo umthetho wakho, yebo, kuze kube phakade.

[45] Ngiyakuhamba endaweni ebanzi, ngokuba iziyalezo zakho ngiyazifuna.

[46] Ngiyakukhuluma ngobufakazi bakho phambi kwamakhosi, ngingajabhi.

[47]Ngiyakuthokoza ngemiyalo yakho engiyithandileyo.

[48]Ngiyakuphakamisela izandla zami kuyo imiyalo yakho engiyithandileyo, ngizindle ngezimiso zakho.

[49]Khumbula izwi encekwini yakho owangipha ithemba ngalo.

[50] Lokhu kuyinduduzo ekuhluphekeni kwami, ngokuba izwi lakho lingiphilisile.

[51] Os soberbos zombam continuamente de mim; todavia, não me afasto da tua lei.
[52] Lembro-me dos teus juízos de outrora e me conforto, ó SENHOR.
[53] De mim se apoderou a indignação, por causa dos pecadores que abandonaram a tua lei.
[54] Os teus decretos são motivo dos meus cânticos, na casa da minha peregrinação.
[55] Lembro-me, SENHOR, do teu nome, durante a noite, e observo a tua lei.
[56] Tem-se dado assim comigo, porque guardo os teus preceitos.
[57] O SENHOR é a minha porção; eu disse que guardaria as tuas palavras.
[58] Imploro de todo o coração a tua graça; compadece-te de mim, segundo a tua palavra.
[59] Considero os meus caminhos e volto os meus passos para os teus testemunhos.
[60] Apresso-me, não me detenho em guardar os teus mandamentos.
[61] Laços de perversos me enleiam; contudo, não me esqueço da tua lei.
[62] Levanto-me à meia-noite para te dar graças, por causa dos teus retos juízos.
[63] Companheiro sou de todos os que te temem e dos que guardam os teus preceitos.
[64] A terra, SENHOR, está cheia da tua bondade; ensina-me os teus decretos.
[65] Tens feito bem ao teu servo, SENHOR, segundo a tua palavra.

[51]Abazidlayo bangihleka usulu kakhulu, kepha emthethweni wakho angichezuki.
[52]Ngiyakhumbula izahlulelo zakho zasendulo, Jehova; ngiyaduduzeka.
[53]Ukuvutha kolaka kungibambile ngenxa yababi abashiya umthetho wakho.
[54]Zaba yizihlabelelo kimina izimiso zakho endlini yokugogobala kwami.
[55] Ebusuku ngikhumbula igama lakho, Jehova, ngigcina umthetho wakho.
[56]Lokhu kwaba ngokwami, ngokuba ngagcina iziyalezo zakho.
[57] UJehova uyisabelo sami; ngithi ngiyakugcina amazwi akho.
[58]Ngincenga ubuso bakho ngenhliziyo yami yonke; yiba nomusa kimi ngokwezwi lakho.
[59]Ngizindla ngezindlela zami, ngiqondisa izinyawo zami ebufakazini bakho.
[60]Ngiyashesha, angilibali ukugcina imiyalo yakho.
[61]Izintambo zababi ziyangizungeza, kepha angikhohlwa umthetho wakho.
[62] Phakathi kobusuku ngiyakuvuka ngikubonge ngenxa yezahlulelo zakho ezilungileyo.
[63] Ngingumngane wabo bonke abakwesabayo, abagcina iziyalezo zakho.
[64] Umhlaba ugcwele umusa wakho, Jehova; ngifundise izimiso zakho.
[65]Uyenzele inceku yakho okuhle, Jehova, ngokwezwi lakho.

[66] Ensina-me bom juízo e conhecimento, pois creio nos teus mandamentos.

[67] Antes de ser afligido, andava errado, mas agora guardo a tua palavra.

[68] Tu és bom e fazes o bem; ensina-me os teus decretos.

[69] Os soberbos têm forjado mentiras contra mim; não obstante, eu guardo de todo o coração os teus preceitos.

[70] Tornou-se-lhes o coração insensível, como se fosse de sebo; mas eu me comprazo na tua lei.

[71] Foi-me bom ter eu passado pela aflição, para que aprendesse os teus decretos.

[72] Para mim vale mais a lei que procede de tua boca do que milhares de ouro ou de prata.

[73] As tuas mãos me fizeram e me afeiçoaram; ensina-me para que aprenda os teus mandamentos.

[74] Alegraram-se os que te temem quando me viram, porque na tua palavra tenho esperado.

[75] Bem sei, ó SENHOR, que os teus juízos são justos e que com fidelidade me afligiste.

[76] Venha, pois, a tua bondade consolar-me, segundo a palavra que deste ao teu servo.

[77] Baixem sobre mim as tuas misericórdias, para que eu viva; pois na tua lei está o meu prazer.

[78] Envergonhados sejam os soberbos por me haverem oprimido injustamente; eu, porém, meditarei nos teus preceitos.

[66]Ngifundise ukuqonda okuhle nokwazi, ngokuba ngikholwa yimiyalo yakho.

[67]Ngingakahlupheki ngaduka, kepha manje sengiyaligcina izwi lakho.

[68]Umuhle wena, futhi wenza okuhle; ngifundise izimiso zakho.

[69]Abazidlayo baqamba amanga ngami; ngenhliziyo yonke yami ngiyakugcina iziyalezo zakho.

[70] Inhliziyo yabo injengamafutha ingezwa lutho; kepha mina ngithokoza ngomthetho wakho.

[71]Kwangilungela ukuba ngihlushwe, ukuze ngifunde izimiso zakho.

[72] Umthetho womlomo wakho muhle kunezinkulungwane zegolide nezesiliva.

[73] Izandla zakho zingenzile, zangibumba; ngiphe ingqondo, ukuze ngifunde imiyalo yakho.

[74]Abakwesabayo bayakujabula lapho bengibona, ngokuba ngethemba izwi lakho.

[75]Ngiyazi ukuthi izahlulelo zakho zilungile nokuthi wangilaya ngokuthembeka.

[76]Umusa wakho mawube yinduduzo encekwini yakho ngokwezwi lakho.

[77]Ububele bakho mabuze kimi, ukuze ngiphile, ngokuba umthetho wakho uyintokozo yami.

[78]Abazidlayo mabajabhe, ngokuba bangicindezele, kungekho sizathu; kepha mina ngiyakuzindla ngeziyalezo zakho.

[79] Voltem-se para mim os que te temem e os que conhecem os teus testemunhos.

[80] Seja o meu coração irrepreensível nos teus decretos, para que eu não seja envergonhado.

[81] Desfalece-me a alma, aguardando a tua salvação; porém espero na tua palavra.

[82] Esmorecem os meus olhos de tanto esperar por tua promessa, enquanto digo: quando me haverás de consolar?

[83] Já me assemelho a um odre na fumaça; contudo, não me esqueço dos teus decretos.

[84] Quantos vêm a ser os dias do teu servo? Quando me farás justiça contra os que me perseguem?

[85] Para mim abriram covas os soberbos, que não andam consoante a tua lei.

[86] São verdadeiros todos os teus mandamentos; eles me perseguem injustamente; ajuda-me.

[87] Quase deram cabo de mim, na terra; mas eu não deixo os teus preceitos.

[88] Vivifica-me, segundo a tua misericórdia, e guardarei os testemunhos oriundos de tua boca.

[89] Para sempre, ó SENHOR, está firmada a tua palavra no céu.

[90] A tua fidelidade estende-se de geração em geração; fundaste a terra, e ela permanece.

[91] Conforme os teus juízos, assim tudo se mantém até hoje; porque ao teu dispor estão todas as coisas.

[79]Mabaphendukele kimi abakwesabayo nabaziyo ubufakazi bakho.

[80]Inhliziyo yami mayiphelele ezimisweni zakho, ukuze ngingajabhi.

[81] Umphefumulo wami ulangazelela insindiso yakho; ngiyalethemba izwi lakho.

[82] Amehlo ami alangazelela izwi lakho, ngithi: Uyakungiduduza nini na?

[83]Nginjengemvaba emsini; izimiso zakho angizikhohlwa.

[84] Zingaki izinsuku zenceku yakho? Uzakubahlulela nini abangizingelayo na?

[85]Abazidlayo bangimbela imigodi, bona abaphambene nomthetho wakho.

[86]Yonke imiyalo yakho ithembekile; bayangizingela ngamanga; ngisize.

[87]Bacishe bangiqeda emhlabeni, kepha angishiyanga iziyalezo zakho.

[88]Ngiphilise ngokomusa wakho, ukuze ngigcine ubufakazi bomlomo wakho.

[89] Kuze kube phakade, Jehova, izwi lakho limi liqinile ezulwini.

[90]Ezizukulwaneni ngezizukulwane ukuthembeka kwakho kukhona; wamisa umhlaba; usemi.

[91]Ngokwezahlulelo zakho kusekhona nanamuhla, ngokuba konke kuyizinceku zakho.

[92] Não fosse a tua lei ter sido o meu prazer, há muito já teria eu perecido na minha angústia.

[93] Nunca me esquecerei dos teus preceitos, visto que por eles me tens dado vida.

[94] Sou teu; salva-me, pois eu busco os teus preceitos.

[95] Os ímpios me espreitam para perder-me; mas eu atento para os teus testemunhos.

[96] Tenho visto que toda perfeição tem seu limite; mas o teu mandamento é ilimitado.

[97] Quanto amo a tua lei! É a minha meditação, todo o dia!

[98] Os teus mandamentos me fazem mais sábio que os meus inimigos; porque, aqueles, eu os tenho sempre comigo.

[99] Compreendo mais do que todos os meus mestres, porque medito nos teus testemunhos.

[100] Sou mais prudente que os idosos, porque guardo os teus preceitos.

[101] De todo mau caminho desvio os pés, para observar a tua palavra.

[102] Não me aparto dos teus juízos, pois tu me ensinas.

[103] Quão doces são as tuas palavras ao meu paladar! Mais que o mel à minha boca.

[104] Por meio dos teus preceitos, consigo entendimento; por isso, detesto todo caminho de falsidade.

[92]Uma umthetho wakho ubungesiyo intokozo yami, ngabe ngibhubhele ekuhluphekeni kwami.

[93]Angiyikukhohlwa kuze kube phakade iziyalezo zakho, ngokuba ungiphilisile ngazo.

[94] Ngingowakho, ngisindise, ngokuba ngiyafuna iziyalezo zakho.

[95] Ababi bahlalele ukungibhubhisa, kepha ngiyaqaphela ubufakazi bakho.

[96]Ngibonile ukugcina kokuphelelyo konke, kepha umthetho wakho ubanzi kakhulu.

[97]Ngiyawuthanda umthetho wakho kangaka. Usuku lonke ngizindla ngawo.

[98]Ngemiyalo yakho ngiyahlakanipha kunezitha zami, ngokuba inami kuze kube phakade.

[99]Ngiyaqonda kunabo bonke abangifundisayo, ngokuba ngizindla ngobufakazi bakho.

[100]Nginokuqonda kunabadala, ngokuba ngigcina iziyalezo zakho.

[101]Ngiyazinqanda izinyawo zami ezindleleni zonke zokubi, ukuze ngigcine izwi lakho.

[102]Ezahlulelweni zakho angichezuki, ngokuba wena uyangifundisa.

[103] Amnandi kangaka amazwi akho ekunambitheni kwami; adlula izinyosi emlonyeni wami.

[104] Ngeziyalezo zakho ngiyathola ukuqonda; ngalokho ngiyazonda zonke izindlela zamanga.

[105] Lâmpada para os meus pés é a tua palavra e, luz para os meus caminhos.
[106] Jurei e confirmei o juramento de guardar os teus retos juízos.
[107] Estou aflitíssimo; vivifica-me, SENHOR, segundo a tua palavra.
[108] Aceita, SENHOR, a espontânea oferenda dos meus lábios e ensina-me os teus juízos.
[109] Estou de contínuo em perigo de vida; todavia, não me esqueço da tua lei.
[110] Armam ciladas contra mim os ímpios; contudo, não me desvio dos teus preceitos.
[111] Os teus testemunhos, recebi-os por legado perpétuo, porque me constituem o prazer do coração.
[112] Induzo o coração a guardar os teus decretos, para sempre, até ao fim.
[113] Aborreço a duplicidade, porém amo a tua lei.
[114] Tu és o meu refúgio e o meu escudo; na tua palavra, eu espero.
[115] Apartai-vos de mim, malfeitores; quero guardar os mandamentos do meu Deus.
[116] Ampara-me, segundo a tua promessa, para que eu viva; não permitas que a minha esperança me envergonhe.
[117] Sustenta-me, e serei salvo e sempre atentarei para os teus decretos.
[118] Desprezas os que se desviam dos teus decretos, porque falsidade é a astúcia deles.

[105] Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami.
[106]Ngifungile; ukulonda izahlulelo zakho ezilungileyo ngakugcina.
[107]Ngiyahlupheka kakhulu; Jehova, ngiphilise ngokwezwi lakho.
[108] Jehova, yamukela iminikelo yesihle yomlomo wami, ungifundise izahlulelo zakho:
[109] Umphefumulo wami usesandleni sami njalo; nokho umthetho wakho angiwukhohlwa.
[110]Ababi bangibekele ugibe, kepha angiduki eziyalezweni zakho.
[111]Ngidlile ifa lobufakazi bakho kuze kube phakade, ngokuba kuyintokozo yenhliziyo yami.
[112]Ngithobisile inhliziyo yami ukwenza izimiso zakho njalo, yebo, kuze kube sekupheleni.
[113] Ngiyabazonda abanhliziyo mbili, kepha umthetho wakho ngiyawuthanda.
[114]Wena uyisiphephelo sami nesihlangu sami; ngiyethemba izwi lakho.
[115]Sukani kimi nina enenza okubi, ngokuba ngiyakugcina imiyalo kaNkulunkulu wami.
[116] Ngiphase ngokwezwi lakho, ukuze ngiphile, ngingajabhi ngethemba lami.
[117]Ngisekele, ngize ngisindiswe, ngibheke njalo izimiso zakho.
[118]Uyabadelela bonke abaduka ezimisweni zakho, ngokuba ubuqili babo buyize.

[119] Rejeitas, como escória, todos os ímpios da terra; por isso, amo os teus testemunhos.
[120] Arrepia-se-me a carne com temor de ti, e temo os teus juízos.
[121] Tenho praticado juízo e justiça; não me entregues aos meus opressores.
[122] Sê fiador do teu servo para o bem; não permitas que os soberbos me oprimam.
[123] Desfalecem-me os olhos à espera da tua salvação e da promessa da tua justiça.
[124] Trata o teu servo segundo a tua misericórdia e ensina-me os teus decretos.
[125] Sou teu servo; dá-me entendimento, para que eu conheça os teus testemunhos.
[126] Já é tempo, SENHOR, para intervires, pois a tua lei está sendo violada.

[127] Amo os teus mandamentos mais do que o ouro, mais do que o ouro refinado.

[128] Por isso, tenho por, em tudo, retos os teus preceitos todos e aborreço todo caminho de falsidade.

[129] Admiráveis são os teus testemunhos; por isso, a minha alma os observa.

[130] A revelação das tuas palavras esclarece e dá entendimento aos simples.

[131] Abro a boca e aspiro, porque anelo os teus mandamentos.
[132] Volta-te para mim e tem piedade de mim, segundo costumas fazer aos que amam o teu nome.

[119]Uyabalahla bonke ababi bomhlaba njengendiva; ngalokho ngiyathanda ubufakazi bakho.
[120] Inyama yami iyathuthumela ngovalo ngawe, ngiyesaba izahlulelo zakho.
[121]Ngiyenza ukwahlulela nokulunga; unganginikeli kubo abahluphi bami.
[122]Mela inceku yakho kube kuhle; abazidlayo mabangangicindezeli.
[123]Amehlo ami ayalangazelela insindiso yakho nezwi lokulunga kwakho.
[124]Yenza encekwini yakho ngokomusa wakho, ungifundise izimiso zakho.
[125] Ngiyinceku yakho; ngiphe ingqondo ukuba ngazi ubufakazi bakho.
[126] Kuyisikhathi sikaJehova sokusebenza, ngokuba bawenz ize umthetho wakho.
[127]Ngalokho ngiyathanda imiyalo yakho kunegolide, yebo, kunegolide elicwengekileyo.
[128]Ngalokho ngiyavuma ukuthi imiyalo yakho yonke ilungile; ngiyazonda zonke izindlela zamanga.
[129]Ubufakazi bakho buyisimangaliso; ngalokho umphefumulo wami uyabugcina.
[130] Ukwambulwa kwamazwi akho kuyakhanyisa, yebo, kuyabaqondisa abangenalwazi.
[131]Ngivula umlomo wami, ngikhefuzela, ngokuba ngiyalangazelela imiyalo yakho.

[132]Bheka kimi, ube nomusa kimi njengokufanele abathanda igama lakho.

[133] Firma os meus passos na tua palavra, e não me domine iniqüidade alguma.

[134] Livra-me da opressão do homem, e guardarei os teus preceitos.

[135] Faze resplandecer o rosto sobre o teu servo e ensina-me os teus decretos.

[136] Torrentes de água nascem dos meus olhos, porque os homens não guardam a tua lei.

[137] Justo és, SENHOR, e retos, os teus juízos.

[138] Os teus testemunhos, tu os impuseste com retidão e com suma fidelidade.

[139] O meu zelo me consome, porque os meus adversários se esquecem da tua palavra.

[140] Puríssima é a tua palavra; por isso, o teu servo a estima.

[141] Pequeno sou e desprezado; contudo, não me esqueço dos teus preceitos.

[142] A tua justiça é justiça eterna, e a tua lei é a própria verdade.

[143] Sobre mim vieram tribulação e angústia; todavia, os teus mandamentos são o meu prazer.

[144] Eterna é a justiça dos teus testemunhos; dá-me a inteligência deles, e viverei.

[145] De todo o coração eu te invoco; ouve-me, SENHOR; observo os teus decretos.

[146] Clamo a ti; salva-me, e guardarei os teus testemunhos.

[147] Antecipo-me ao alvorecer do dia e clamo; na tua palavra, espero confiante.

[133]Qinisa izinyathelo zami ezwini lakho; makungangibusi nobubodwa ububi.

[134]Ngihlenge ekuhlupheni kwabantu, ukuze ngigcine iziyalezo zakho.

[135] Yikhanyisele inceku yakho ubuso bakho, ngifundise izimiso zakho.

[136]Imifula yamanzi iyehlela emehlweni ami, ngokuba abagcini umthetho wakho.

[137] Wena Jehova ulungile; izahlulelo zakho ziqotho.

[138]Uyalezile ubufakazi bakho ngokulunga ngokuthembeka okukhulu.

[139] Ukushisekela kwami kungidlile, ngokuba izitha zami zikhohliwe amazwi akho.

[140] Izwi lakho licwebile kakhulu; ngalokho inceku yakho iyalithanda.

[141]Ngimncane, ngidelelekile; iziyalezo zakho angizikhohlwa.

[142]Ukulunga kwakho kungukulunga okuphakade; umthetho wakho uyiqiniso.

[143]Ukuhlupheka nosizi kungehlele; imiyalo yakho iyintokozo yami.

[144]Ukulunga kobufakazi bakho kumi phakade; ngiphe ukuqonda ukuba ngiphile.

[145]Ngikhala ngenhliziyo yami yonke; ngizwe, Jehova; izimiso zakho ngiyakuzigcina.

[146]Ngikhala kuwe, ngisindise; ngiyakugcina ubufakazi bakho.

[147] Ngiyandulela uvivi lokusa ngikhala; ngiyethemba amazwi akho.

[148] Os meus olhos antecipam-se às vigílias noturnas, para que eu medite nas tuas palavras.

[149] Ouve, SENHOR, a minha voz, segundo a tua bondade; vivifica-me, segundo os teus juízos.

[150] Aproximam-se de mim os que andam após a maldade; eles se afastam da tua lei.

[151] Tu estás perto, SENHOR, e todos os teus mandamentos são verdade.

[152] Quanto às tuas prescrições, há muito sei que as estabeleceste para sempre.

[153] Atenta para a minha aflição e livra-me, pois não me esqueço da tua lei.

[154] Defende a minha causa e liberta-me; vivifica-me, segundo a tua promessa.

[155] A salvação está longe dos ímpios, pois não procuram os teus decretos.

[156] Muitas, SENHOR, são as tuas misericórdias; vivifica-me, segundo os teus juízos.

[157] São muitos os meus perseguidores e os meus adversários; não me desvio, porém, dos teus testemunhos.

[158] Vi os infiéis e senti desgosto, porque não guardam a tua palavra.

[159] Considera em como amo os teus preceitos; vivifica-me, ó SENHOR, segundo a tua bondade.

[160] As tuas palavras são em tudo verdade desde o princípio, e cada um dos teus justos juízos dura para sempre.

[148] Amehlo ami ayandulela imilindo yobusuku ukuba ngizindle ngezwi lakho.

[149]Yizwa izwi lami ngokomusa wakho, Jehova, ungiphilise ngokwezahlulelo zakho.

[150]Bayasondela abalandela ukonakala; bakude nomthetho wakho.

[151] Wena Jehova useduze; imiyalo yakho yonke iyiqiniso.

[152]Kudala ngazile ngobufakazi bakho ukuthi ubusekele kuze kube phakade.

[153]Bheka ukuhlupheka kwami, ungikhulule, ngokuba angikhohlwa umthetho wakho.

[154]Mela indaba yami, ungihlenge, ungiphilise ngokwezwi lakho.

[155]Ukusindiswa kukude nababi, ngokuba abafuni izimiso zakho.

[156]Ububele bakho, Jehova, bukhulu; ngiphilise ngokwezahlulelo zakho.

[157]Abangizingelayo nabayizitha kimi baningi; kepha ebufakazini bakho angichezuki.

[158]Lapho ngibona amambuka, ngiyadikibala, ngokuba awagcini izwi lakho.

[159]Bheka ukuthi ngithanda kangaka iziyalezo zakho, Jehova; ngiphilise ngokomusa wakho.

[160] Amazwi akho onke ayiqiniso; zonke izahlulelo zakho ezilungileyo zimi kuze kube phakade.

[161] Príncipes me perseguem sem causa, porém o que o meu coração teme é a tua palavra.

[161]Izikhulu ziyangizingela, kungekho sizathu, kepha inhliziyo yami iyesaba izwi lakho.

[162] Alegro-me nas tuas promessas, como quem acha grandes despojos.

[162]Ngithokoza ngezwi lakho njengozuza impango enkulu.

[163] Abomino e detesto a mentira; porém amo a tua lei.

[163]Amanga ngiyawazonda, ngiyawenyanya; umthetho wakho ngiyawuthanda.

[164] Sete vezes no dia, eu te louvo pela justiça dos teus juízos.

[164]Kasikhombisa ngosuku ngiyakudumisa ngezahlulelo zokulunga kwakho.

[165] Grande paz têm os que amam a tua lei; para eles não há tropeço.

[165] Abathanda umthetho wakho banokuthula okukhulu; akukho sikhubekiso kubo.

[166] Espero, SENHOR, na tua salvação e cumpro os teus mandamentos.

[166] Ngiyethemba insindiso yakho, Jehova; imiyalo yakho ngiyayenza.

[167] A minha alma tem observado os teus testemunhos; eu os amo ardentemente.

[167]Umphefumulo wami uyagcina ubufakazi bakho; ngiyabuthanda kakhulu.

[168] Tenho observado os teus preceitos e os teus testemunhos, pois na tua presença estão todos os meus caminhos.

[168]Ngiyagcina iziyalezo zakho nobufakazi bakho, ngokuba izindlela zami zonke ziphambi kwakho.

[169] Chegue a ti, SENHOR, a minha súplica; dá-me entendimento, segundo a tua palavra.

[169]Ukukhala kwami makusondele ebusweni bakho, Jehova; ngiqondise ngokwezwi lakho.

[170] Chegue a minha petição à tua presença; livra-me segundo a tua palavra.

[170]Ukuncenga kwami makuze ebusweni bakho; ngihlenge ngokwezwi lakho.

[171] Profiram louvor os meus lábios, pois me ensinas os teus decretos.

[171]Umlomo wami mawuchichime indumiso, ngokuba uyangifundisa izimiso zakho.

[172] A minha língua celebre a tua lei, pois todos os teus mandamentos são justiça.

[172]Ulimi lwami malukhulume izwi lakho, ngokuba imiyalo yakho yonke ilungile.

[173] Venha a tua mão socorrer-me, pois escolhi os teus preceitos.

[173]Isandla sakho masibe lusizo kimi, ngokuba ngikhethile iziyalezo zakho.

[174] Suspiro, SENHOR, por tua salvação; a tua lei é todo o meu prazer.

[174]Ngiyalangazelela insindiso yakho, Jehova; umthetho wakho uyintokozo yami.

[175] Viva a minha alma para louvar-te; ajudem-me os teus juízos.
[176] Ando errante como ovelha desgarrada; procura o teu servo, pois não me esqueço dos teus mandamentos.

Salmo 120

Contra as más línguas

Cântico de romagem

[1] Na minha angústia, clamo ao SENHOR, e ele me ouve.

[2] SENHOR, livra-me dos lábios mentirosos, da língua enganadora.

[3] Que te será dado ou que te será acrescentado, ó língua enganadora?
[4] Setas agudas do valente e brasas vivas de zimbro.

[5] Ai de mim, que peregrino em Meseque e habito nas tendas de Quedar.

[6] Já há tempo demais que habito com os que odeiam a paz.
[7] Sou pela paz; quando, porém, eu falo, eles teimam pela guerra.

Salmo 121

Deus, o fiel guarda dos homens
Cântico de romagem

[1] Elevo os olhos para os montes: de onde me virá o socorro?
[2] O meu socorro vem do SENHOR, que fez o céu e a terra.
[3] Ele não permitirá que os teus pés vacilem; não dormitará aquele que te guarda.

[175]Umphefumulo wami mawuphile, ukudumise; izahlulelo zakho mazingisize.
[176] Ngiyaduka njengemvu elahlekileyo; funa inceku yakho, ngokuba angikhohlwa imiyalo yakho.

AmaHubo 120

Umkhuleko wocela ukusizwa ekukhohliseni kwezitha
Igama lokukhuphuka.

[1]Ekuhluphekeni kwami ngakhala kuJehova, wangiphendula.
[2]Jehova, hlenga umphefumulo wami emlonyeni wamanga nasolimini lwenkohliso.
[3] Uyakuvuzwa ngani, uyakwenezelelwani wena lulimi lwenkohliso, na?
[4] Imicibisholo ebukhali yeqhawe namalahle omlilo.
[5]Maye kimi! Ngokuba ngigogobele kwaMesheke, ngihlezi ematendeni akwaKedari.
[6]Umphefumulo wami sekukade wahlala naye ozonda ukuthula.
[7]Ngingowokuthula; kepha uma ngikhuluma, bangabalwayo.

AmaHubo 121

Ukwethemba ukulondoloza kukaNkulunkulu
Igama lokukhuphuka.

[1] Ngiphakamisela amehlo ami ezintabeni; usizo lwami luvelaphi na?
[2] Usizo lwami luvela kuJehova owenzile izulu nomhlaba.

[3] Akayikuvuma ukuba unyawo lwakho lushelele; okulondolozayo akayikozela.

[4] É certo que não dormita, nem dorme o guarda de Israel.

[5] O SENHOR é quem te guarda; o SENHOR é a tua sombra à tua direita.

[6] De dia não te molestará o sol, nem de noite, a lua.

[7] O SENHOR te guardará de todo mal; guardará a tua alma.

[8] O SENHOR guardará a tua saída e a tua entrada, desde agora e para sempre.

[4]Bheka, olonda u-Israyeli akozeli, akalali.

[5] UJehova ungumlondi wakho; uJehova ungumthunzi wakho ngasesandleni sakho sokunene.

[6]Ilanga aliyikukushaya emini nenyanga ebusuku.

[7]UJehova uyakukulondoloza ebubini bonke; uyakulonda umphefumulo wakho.

[8] UJehova uyakulondoloza ukuphuma kwakho nokungena kwakho kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade.

Salmo 122

Oração pela paz de Jerusalém

Cântico de romagem. De Davi

[1] Alegrei-me quando me disseram: Vamos à Casa do SENHOR.

[2] Pararam os nossos pés junto às tuas portas, ó Jerusalém!

[3] Jerusalém, que estás construída como cidade compacta,

[4] para onde sobem as tribos, as tribos do SENHOR, como convém a Israel, para renderem graças ao nome do SENHOR.

[5] Lá estão os tronos de justiça, os tronos da casa de Davi.

[6] Orai pela paz de Jerusalém! Sejam prósperos os que te amam.

[7] Reine paz dentro de teus muros e prosperidade nos teus palácios.

[8] Por amor dos meus irmãos e amigos, eu peço: haja paz em ti!

AmaHubo 122

IJerusalema lifiselwa isibusiso

Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

[1] Ngajabula lapho bethi kimi: Masiye endlini kaJehova.

[2]Izinyawo zethu sezimi emasangweni akho, Jerusalema,

[3] Jerusalema, wena owakhiwe njengomuzi ohlanganisiwe ngokuqinileyo,

[4] lapho imindeni ikhuphukela khona, imindeni kaJehova, ngokomthetho ka-Israyeli ukuba idumise igama likaJehova.

[5] Ngokuba kumisiwe khona izihlalo zokwahlulela, izihlalo zobukhosi zendlu kaDavide.

[6]Khulekelani ukuthula kwaseJerusalema: Abakuthandayo bayakuphumelela kahle.

[7]Makube khona ukuthula phakathi kwezingange zakho, nenhlanhla ezindlini zakho zobukhosi.

[8]Ngenxa yabafowethu nabangane bethu ngizakuthi manje: Makube khona ukuthula kuwe.

[9] Por amor da Casa do SENHOR, nosso Deus, buscarei o teu bem.

Salmo 123

Solicitude por auxílio divino
Cântico de romagem

[1] A ti, que habitas nos céus, elevo os olhos!

[2] Como os olhos dos servos estão fitos nas mãos dos seus senhores, e os olhos da serva, na mão de sua senhora, assim os nossos olhos estão fitos no SENHOR, nosso Deus, até que se compadeça de nós.

[3] Tem misericórdia de nós, SENHOR, tem misericórdia; pois estamos sobremodo fartos de desprezo.

[4] A nossa alma está saturada do escárnio dos que estão à sua vontade e do desprezo dos soberbos.

Salmo 124

Deus, nosso protetor e libertador
Cântico de romagem. De Davi

[1] Não fosse o SENHOR, que esteve ao nosso lado, Israel que o diga;

[2] não fosse o SENHOR, que esteve ao nosso lado, quando os homens se levantaram contra nós,

[3] e nos teriam engolido vivos, quando a sua ira se acendeu contra nós;

[4] as águas nos teriam submergido, e sobre a nossa alma teria passado a torrente;

[5] águas impetuosas teriam passado sobre a nossa alma.

[9]Ngenxa yendlu kaJehova uNkulunkulu wethu ngiyakukufunela okuhle.

AmaHubo 123

Umkhuleko wocela ukusizwa ezidelelini
Igama lokukhuphuka.

[1] Ngiyaphakamisela kuwe amehlo ami, wena ohlezi ezulwini.

[2]Bheka, njengamehlo ezinceku ekuzo izandla zamakhosi azo, namehlo encekukazi ekuso isandla senkosikazi yayo, kanjalo amehlo ethu akuye uJehova uNkulunkulu wethu, aze abe nomusa kithi.

[3]Sihawukele, Jehova sihawukele, ngokuba sesidiniwe kakhulu ngukudelelwa.

[4] Umphefumulo wethu udiniwe kakhulu ngukweyisa kwabaziqhenyayo nokudelela kwabazidlayo.

AmaHubo 124

Ukubonga ukusindiswa engozini enkulu
Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

[1]Uma uJehova ebengenathi, makasho njalo manje u-Israyeli,

[2] uma uJehova ebengenathi, lapho abantu besivukela,

[3] ngabe sebesigwinyile ekuvutheni kolaka lwabo kithina;

[4]amanzi ngabe asewele phezu kwethu, kudlule isikhukhula phezu komphefumulo wethu,

[5] kudlule phezu komphefumulo wethu amanzi akhukhumeleyo.

[6] Bendito o SENHOR, que não nos deu por presa aos dentes deles.
[7] Salvou-se a nossa alma, como um pássaro do laço dos passarinheiros; quebrou-se o laço, e nós nos vimos livres.
[8] O nosso socorro está em o nome do SENHOR, criador do céu e da terra.

[6]Makabongwe uJehova ongasinikelanga ukuba sibe yimpango yamazinyo abo.
[7]Umphefumulo wethu uphunyukile njengenyoni ogibeni lwabacuphi; ugibe lwaphukile, thina saphunyuka.
[8] Usizo lwethu lusegameni likaJehova owenzile izulu nomhlaba.

Salmo 125

Fé inabalável
Cântico de romagem

[1] Os que confiam no SENHOR são como o monte Sião, que não se abala, firme para sempre.
[2] Como em redor de Jerusalém estão os montes, assim o SENHOR, em derredor do seu povo, desde agora e para sempre.
[3] O cetro dos ímpios não permanecerá sobre a sorte dos justos, para que o justo não estenda a mão à iniqüidade.
[4] Faze o bem, SENHOR, aos bons e aos retos de coração.
[5] Quanto aos que se desviam para sendas tortuosas, levá-los-á o SENHOR juntamente com os malfeitores. Paz sobre Israel!

AmaHubo 125

UJehova uyalondoloza u-Israyeli
Igama lokukhuphuka.

[1] Abamethembayo uJehova bafana nentaba yaseSiyoni engenakunyakaziswa kepha imi phakade.
[2]Njengalokhu izintaba zihaqa iJerusalema, kanjalo uJehova uhaqa abantu bakhe kalokhu kuze kube phakade.
[3] Ngokuba intonga yababi ayinakuhlala phezu kwesabelo sabalungileyo, funa abalungileyo belulele izandla zabo kokubi.
[4]Jehova, yenza okuhle kubo abalungileyo nabaqotho ezinhliziyweni zabo.
[5] Kepha abaphambukela ezindleleni zabo eziyizinsongensonge uJehova uzakubahambisa kanye nabenza okubi. Ukuthula makube phezu kuka-Israyeli.

Salmo 126

Consolo para os que choram
Cântico de romagem

[1] Quando o SENHOR restaurou a sorte de Sião, ficamos como quem sonha.
[2] Então, a nossa boca se encheu de riso, e a nossa língua, de júbilo; então, entre as nações se dizia: Grandes coisas o SENHOR tem feito por eles.

AmaHubo 126

Ukutshala ngezinyembezi nokuvuna ngentokozo
Igama lokukhuphuka.

[1] Lapho uJehova abuyisa ukuthunjwa kweSiyoni, sasinjengabaphuphayo.
[2] Umlomo wethu wawusugcwala ukuhleka nolimi lwethu ukuhuba; bathi phakathi kwabezizwe: UJehova ubenzele izinto ezinkulu.

[3] Com efeito, grandes coisas fez o SENHOR por nós; por isso, estamos alegres.
[4] Restaura, SENHOR, a nossa sorte, como as torrentes no Neguebe.
[5] Os que com lágrimas semeiam com júbilo ceifarão.
[6] Quem sai andando e chorando, enquanto semeia, voltará com júbilo, trazendo os seus feixes.

Salmo 127

Todo bem procede de Deus
Cântico de romagem. De Salomão

[1] Se o SENHOR não edificar a casa, em vão trabalham os que a edificam; se o SENHOR não guardar a cidade, em vão vigia a sentinela.
[2] Inútil vos será levantar de madrugada, repousar tarde, comer o pão que penosamente granjeastes; aos seus amados ele o dá enquanto dormem.
[3] Herança do SENHOR são os filhos; o fruto do ventre, seu galardão.
[4] Como flechas na mão do guerreiro, assim os filhos da mocidade.
[5] Feliz o homem que enche deles a sua aljava; não será envergonhado, quando pleitear com os inimigos à porta.

Salmo 128

Temor de Deus e felicidade no lar
Cântico de romagem

[1] Bem-aventurado aquele que teme ao SENHOR e anda nos seus caminhos!
[2] Do trabalho de tuas mãos comerás, feliz serás, e tudo te irá bem.

[3]UJehova usenzele izinto ezinkulu, sajabula.
[4]Buyisa, Jehova, ukuthunjwa kwethu njengemifula yaseningizimu.
[5] Abahlwanyela ngezinyembezi bayakuvuna ngokuthokoza.
[6] Ohamba ekhala izinyembezi, ephethe imbewu yokuhlwanyela, uyakubuya ngokuthokoza, ephethe izinyanda zakhe.

AmaHubo 127

Zonke izibusiso zivela kuJehova
Igama lokukhuphuka. ElikaSolomoni.

[1] Uma uJehova engayakhi indlu, basebenzela ize abayakhayo; uma uJehova engalondolozi umuzi, umlindi wawo ulindela ize.
[2] Kuyize kini ukuba nivuke ekuseni, nephuze ukuphumula, nidle isinkwa sezinhlupheko, ngokuba uyamupha othandiweyo wakhe esalele.
[3] Bheka, abantwana bayifa elivela kuJehova, isithelo sesisu singumvuzo.
[4]Njengemicibisholo esandleni seqhawe banjalo abantwana bobusha.
[5]Ibusisiwe indoda emgodla wayo ugcwele bona; abayikujabha lapho bekhuluma nezitha zabo esangweni.

AmaHubo 128

Inhlanhla yekhaya lomuntu oqotho
Igama lokukhuphuka.

[1] Babusisiwe bonke abamesabayo uJehova, abahamba ngezindlela zakhe.
[2]Ngokuba uyakudla umsebenzi wezandla zakho; uyakuba nenhlanhla nempumelelo.

[3] Tua esposa, no interior de tua casa, será como a videira frutífera; teus filhos, como rebentos da oliveira, à roda da tua mesa.

[4] Eis como será abençoado o homem que teme ao SENHOR!

[5] O SENHOR te abençoe desde Sião, para que vejas a prosperidade de Jerusalém durante os dias de tua vida,

[6] vejas os filhos de teus filhos. Paz sobre Israel!

[3]Umkakho uyakuba njengomnqumo othelayo phakathi kwendlu yakho, abantwana bakho babe njengezithombo zomnqumo, bezungeza itafula lakho.

[4]Ngokuba bheka, kanjalo iyakubusiswa indoda emesabayo uJehova.

[5] UJehova makakubusise eseSiyoni; uyakubona inhlanhla yaseJerusalema zonke izinsuku zokuphila kwakho.

[6] Uyakubona abantwana babantwana bakho. Ukuthula makube phezu kuka-Israyeli.

Salmo 129

Recordação de libertações

Cântico de romagem

[1] Muitas vezes me angustiaram desde a minha mocidade, Israel que o diga;

[2] desde a minha mocidade, me angustiaram, todavia, não prevaleceram contra mim.

[3] Sobre o meu dorso lavraram os aradores; nele abriram longos sulcos.

[4] Mas o SENHOR é justo; cortou as cordas dos ímpios.

[5] Sejam envergonhados e repelidos todos os que aborrecem a Sião!

[6] Sejam como a erva dos telhados, que seca antes de florescer,

[7] com a qual não enche a mão o ceifeiro, nem os braços, o que ata os feixes!

[8] E também os que passam não dizem: A bênção do SENHOR seja convosco! Nós vos abençoamos em nome do SENHOR!

AmaHubo 129

Ubuthakathaka bezitha zeSiyoni

Igama lokukhuphuka.

[1]Bangihluphile kaningi kwasebusheni bami, makasho njalo u-Israyeli.

[2]Bangihluphile kakhulu, nokho abangahlulanga.

[3] Abalimi balima emhlane wami, benza ibe mide imisele yabo.

[4]UJehova ulungile; unqumile izintambo zababi.

[5]Mabajabhiswe, babuyiselwe emuva bonke abazonda iSiyoni.

[6] Mababe njengotshani ophahleni, obubuna bungakakhuli.

[7]Ovunayo akagcwalisi ngabo isandla sakhe, nobopha izinyanda izingalo zakhe.

[8] Abadlulayo abasho ukuthi: Isibusiso sikaJehova masibe phezu kwenu; siyanibusisa egameni likaJehova.

Salmo 130

Das profundezas clamo ao Senhor

AmaHubo 130

Umkhuleko wokuthethelelwa nokukhululwa

Cântico de romagem

1 Das profundezas clamo a ti, SENHOR.

2 Escuta, SENHOR, a minha voz; estejam alertas os teus ouvidos às minhas súplicas.

3 Se observares, SENHOR, iniqüidades, quem, SENHOR, subsistirá?

4 Contigo, porém, está o perdão, para que te temam.

5 Aguardo o SENHOR, a minha alma o aguarda; eu espero na sua palavra.

6 A minha alma anseia pelo SENHOR mais do que os guardas pelo romper da manhã. Mais do que os guardas pelo romper da manhã,

7 espere Israel no SENHOR, pois no SENHOR há misericórdia; nele, copiosa redenção.

8 É ele quem redime a Israel de todas as suas iniqüidades.

Igama lokukhuphuka.

1 Ngikhala kuwe Jehova ngisotweni phansi.

2Nkosi, yizwa izwi lami; izindlebe zakho mazilalele izwi lokuncenga kwami.

3 Uma wena Jehova uqaphela iziphambeko, Nkosi, ngubani ongema na?

4 Kepha ukuthethelela kukuwe, ukuze wesatshwe.

5Ngiyalindela uJehova, umphefumulo wami uyalinda; ngiyalethemba izwi lakhe.

6Umphefumulo wami uyalindela iNkosi kunabalindi belindela ukusa.

7 U-Israyeli makamethembe uJehova, ngokuba umusa ukuJehova, nokukhulula okuningi kukuye.

8 Uyakumhlenga u-Israyeli eziphambekweni zakhe zonke.

Salmo 131

Calma em Deus

Cântico de romagem. De Davi

1 SENHOR, não é soberbo o meu coração, nem altivo o meu olhar; não ando à procura de grandes coisas, nem de coisas maravilhosas demais para mim.

2 Pelo contrário, fiz calar e sossegar a minha alma; como a criança desmamada se aquieta nos braços de sua mãe, como essa criança é a minha alma para comigo.

3 Espera, ó Israel, no SENHOR, desde agora e para sempre.

AmaHubo 131

Ukuzithobela uJehova

Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

1Jehova, inhliziyo yami ayikhukhumali, amehlo ami awaziphakamisi; angingeni ezindabeni ezinkulu nasezintweni ezingahlulayo.

2Ngiduduzile, ngawuthulisa umphefumulo wami; njengomntwana olunyuliweyo kunina, njengolumulekileyo, unjalo umphefumulo wami phakathi kwami.

3Israyeli, yethemba uJehova kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade.

Salmo 132

AmaHubo 132

Uma promessa antiga

Cântico de romagem

[1] Lembra-te, SENHOR, a favor de Davi, de todas as suas provações;

[2] de como jurou ao SENHOR e fez votos ao Poderoso de Jacó:

[3] Não entrarei na tenda em que moro, nem subirei ao leito em que repouso,

[4] não darei sono aos meus olhos, nem repouso às minhas pálpebras,

[5] até que eu encontre lugar para o SENHOR, morada para o Poderoso de Jacó.

[6] Ouvimos dizer que a arca se achava em Efrata e a encontramos no campo de Jaar.

[7] Entremos na sua morada, adoremos ante o estrado de seus pés.

[8] Levanta-te, SENHOR, entra no lugar do teu repouso, tu e a arca de tua fortaleza.

[9] Vistam-se de justiça os teus sacerdotes, e exultem os teus fiéis.

[10] Por amor de Davi, teu servo, não desprezes o rosto do teu ungido.

[11] O SENHOR jurou a Davi com firme juramento e dele não se apartará: Um rebento da tua carne farei subir para o teu trono.

[12] Se os teus filhos guardarem a minha aliança e o testemunho que eu lhes ensinar, também os seus filhos se assentarão para sempre no teu trono.

Isithembiso sikaDavide kuJehova nesithembiso sikaJehova kuDavide

Igama lokukhuphuka.

[1] Jehova, mkhumbulele uDavide zonke izinhlupheko zakhe

[2]ukuthi wafunga kuJehova, wenza isithembiso kuye onguMninimandla kaJakobe, ethi:

[3] Angiyikungena etendeni lendlu yami; angiyikwenyukela embhedeni wami;

[4] angiyikunika amehlo ami ubuthongo, nezinkophe zami ukozela

[5] ngingakatholeli uJehova indawo, indlu yonguMninimandla kaJakobe.

[6]Bheka, sizwile ngakho e-Efratha, sakufumana ezweni laseJari.

[7] Masingene endlini yakhe, sikhuleke ngasesenabelweni sezinyawo zakhe.

[8] Vuka, Jehova, uye ekuphumuleni kwakho, wena nomphongolo wamandla akho.

[9]Abapristi bakho mabembeswe ukulunga, abangcwele bakho bethabe.

[10] Ngenxa yenceku yakho uDavide mawungaphenduli ubuso bogcotshiweyo wakho.

[11] UJehova ufungile kuDavide ngeqiniso, akabuyi kukho, ethi: Owenzalo yomzimba wakho ngiyakumbeka esihlalweni sakho sobukhosi.

[12]Uma abantwana bakho begcina isivumelwano sami nobufakazi bami engiyakubafundisa bona, khona abantwana babo bayakuhlala esihlalweni sakho kuze kube phakade.

[13] Pois o SENHOR escolheu a Sião, preferiu-a por sua morada:

[14] Este é para sempre o lugar do meu repouso; aqui habitarei, pois o preferi.

[15] Abençoarei com abundância o seu mantimento e de pão fartarei os seus pobres.

[16] Vestirei de salvação os seus sacerdotes, e de júbilo exultarão os seus fiéis.

[17] Ali, farei brotar a força de Davi; preparei uma lâmpada para o meu ungido.

[18] Cobrirei de vexame os seus inimigos; mas sobre ele florescerá a sua coroa.

[13]Ngokuba uJehova ukhethile iSiyoni; ulithandile libe yindawo yakhe yokuhlala:

[14] Yona ingeyokuphumula kwami kuze kube phakade; lapha ngiyakuhlala khona, ngokuba ngiyifunile.

[15]Ngiyakubusisa kakhulu ukudla kwalo; abampofu balo ngiyakubasuthisa ngesinkwa.

[16] Abapristi balo ngiyakubembesa insindiso; abangcwele balo bayakumemeza nokumemeza ngenjabulo.

[17] Ngiyakuhlumisa uphondo lukaDavide, ogcotshiweyo wami ngimlungisele isibani.

[18]Izitha zalo ngiyakuzembesa ihlazo, kepha kuyena uqobo umqhele wakhe uyakukhazimula.

Salmo 133

A excelência da união fraternal

Cântico de romagem. De Davi

[1] Oh! Como é bom e agradável viverem unidos os irmãos!

[2] É como o óleo precioso sobre a cabeça, o qual desce para a barba, a barba de Arão, e desce para a gola de suas vestes.

[3] É como o orvalho do Hermom, que desce sobre os montes de Sião. Ali, ordena o SENHOR a sua bênção e a vida para sempre.

AmaHubo 133

Isibusiso esisekuhlanganeni kwabazalwane

Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

[1]Bheka, kuhle, kumnandi kangaka ukuba abazalwane bahlalisane ndawonye bemunye.

[2] Kufana namafutha amahle ekhanda ehlela esilevini, isilevu sika-Aroni, ehlela nasemphethweni wezambatho zakhe.

[3]Kufana namazolo aseHermoni ehlela ezintabeni zaseSiyoni. Ngokuba uJehova wayaleza khona isibusiso, yebo, ukuphila kuze kube phakade.

Salmo 134

Convocando ao culto vespertino

Cântico de romagem

[1] Bendizei ao SENHOR, vós todos, servos do SENHOR, que assistis na Casa do SENHOR, nas horas da noite;

AmaHubo 134

Isibusiso sikaJehova phezu kwabambongayo uJehova

Igama lokukhuphuka.

[1] Bhekani, nibonge uJehova nina nonke zinceku zikaJehova enimi endlini kaJehova ebusuku.

[2] erguei as mãos para o santuário e bendizei ao SENHOR.
[3] De Sião te abençoe o SENHOR, criador do céu e da terra!

[2] Phakamiselani izandla zenu endlini engcwele, nimbonge uJehova.
[3] UJehova makakubusise eseSiyoni, yena owenzile izulu nomhlaba.

Salmo 135

Louvores a Deus

[1] Aleluia! Louvai o nome do SENHOR; louvai-o, servos do SENHOR,
[2] vós que assistis na Casa do SENHOR, nos átrios da casa do nosso Deus.
[3] Louvai ao SENHOR, porque o SENHOR é bom; cantai louvores ao seu nome, porque é agradável.
[4] Pois o SENHOR escolheu para si a Jacó e a Israel, para sua possessão.
[5] Com efeito, eu sei que o SENHOR é grande e que o nosso Deus está acima de todos os deuses.
[6] Tudo quanto aprouve ao SENHOR, ele o fez, nos céus e na terra, no mar e em todos os abismos.
[7] Faz subir as nuvens dos confins da terra, faz os relâmpagos para a chuva, faz sair o vento dos seus reservatórios.
[8] Foi ele quem feriu os primogênitos no Egito, tanto dos homens como das alimárias;
[9] quem, no meio de ti, ó Egito, operou sinais e prodígios contra Faraó e todos os seus servos;
[10] quem feriu muitas nações e tirou a vida a poderosos reis:
[11] a Seom, rei dos amorreus, e a Ogue, rei de Basã, e a todos os reinos de Canaã;

AmaHubo 135

Indumiso kuJehova ngezimangaliso zakhe

[1] Haleluya! Dumisani igama likaJehova; mdumiseni nina zinceku zikaJehova
[2]enimi endlini kaJehova emagcekeni endlu kaNkulunkulu wethu.
[3] Dumisani uJehova, ngokuba uJehova muhle; hubelani igama lakhe, ngokuba limnandi.
[4] Ngokuba uJehova uzikhethele uJakobe, no-Israyeli ukuba abe yimfuyo yakhe.
[5] Impela ngiyazi ukuthi uJehova mkhulu nokuthi iNkosi yethu iphezu kwabo bonke onkulunkulu.
[6] Konke uJehova akuthandayo uyakwenza ezulwini nasemhlabeni, emanzini nasezinzulwini zonke.
[7] Ukhuphula izinkungu emikhawulweni yomhlaba, wenza imibani kube yimvula; ukhipha umoya ezingotsheni zakhe.
[8] Washaya amazibulo aseGibithe, awabantu kanye nawezilwane.
[9] Wathuma izibonakaliso nezimangaliso phakathi kwakho, Gibithe, phezu kukaFaro nezinceku zakhe zonke.
[10] Washaya izizwe ezinkulu, wabulala amakhosi anamandla:
[11] uSihoni inkosi yama-Amori, no-Ogi inkosi yaseBashani, nemibuso yonke yaseKhanani.

[12] cujas terras deu em herança, em herança a Israel, seu povo.
[13] O teu nome, SENHOR, subsiste para sempre; a tua memória, SENHOR, passará de geração em geração.
[14] Pois o SENHOR julga ao seu povo e se compadece dos seus servos.
[15] Os ídolos das nações são prata e ouro, obra das mãos dos homens.
[16] Têm boca e não falam; têm olhos e não vêem;
[17] têm ouvidos e não ouvem; pois não há alento de vida em sua boca.
[18] Como eles se tornam os que os fazem, e todos os que neles confiam.
[19] Casa de Israel, bendizei ao SENHOR; casa de Arão, bendizei ao SENHOR;
[20] casa de Levi, bendizei ao SENHOR; vós que temeis ao SENHOR, bendizei ao SENHOR.
[21] Desde Sião bendito seja o SENHOR, que habita em Jerusalém! Aleluia!

Salmo 136

A misericórdia de Deus

[1] Rendei graças ao SENHOR, porque ele é bom, porque a sua misericórdia dura para sempre.
[2] Rendei graças ao Deus dos deuses, porque a sua misericórdia dura para sempre.
[3] Rendei graças ao SENHOR dos senhores, porque a sua misericórdia dura para sempre;

[12] Wanika izwe labo laba yifa, laba yifa lika-Israyeli, isizwe sakhe.
[13] Jehova, igama lakho limi phakade; isikhumbuzo sakho, Jehova, sisezizukulwaneni ngezizukulwane.
[14] Ngokuba uJehova uyakwahlulela abantu bakhe, ahawukele izinceku zakhe.
[15] Izithombe zabezizwe ziyisiliva negolide, umsebenzi wezandla zomuntu.
[16]Umlomo zinawo, kepha azikhulumi; amehlo zinawo, kodwa aziboni.
[17]Izindlebe zinazo, kepha azizwa, nomoya awukho emlonyeni wazo.
[18]Abazenzayo bayafana nazo, bonke abazethembayo.
[19] Wena ndlu ka-Israyeli, mbonge uJehova; wena ndlu ka-Aroni, mbonge uJehova.
[20]Wena ndlu kaLevi, mbonge uJehova; nina enimesabayo uJehova, mbongeni uJehova.
[21]UJehova makabongwe eSiyoni, yena owakhe eJerusalema. Haleluya!

AmaHubo 136

Ukubonga uJehova ngezimangaliso zakhe nomusa wakhe ongunaphakade

[1] Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.
[2] Bongani uNkulunkulu wawonkulunkulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade.
[3] Bongani iNkosi yamakhosi, ngokuba umusa wayo umi phakade;

[4] ao único que opera grandes maravilhas, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[5] àquele que com entendimento fez os céus, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[6] àquele que estendeu a terra sobre as águas, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[7] àquele que fez os grandes luminares, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[8] o sol para presidir o dia, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[9] a lua e as estrelas para presidirem a noite, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[10] àquele que feriu o Egito nos seus primogênitos, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[11] e tirou a Israel do meio deles, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[12] com mão poderosa e braço estendido, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[13] àquele que separou em duas partes o mar Vermelho, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[14] e por entre elas fez passar a Israel, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[15] mas precipitou no mar Vermelho a Faraó e ao seu exército, porque a sua misericórdia dura para sempre;

[4]yona engoyedwa owenza izimangaliso ezinkulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[5]owenzile izulu ngokuhlakanipha, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[6] owendlala umhlaba phezu kwamanzi, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[7]owenza izinkanyiso ezinkulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[8]ilanga ukuba libuse emini, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[9]inyanga nezinkanyezi ukuba zibuse ebusuku, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[10] owalishaya iGibithe, amazibulo alo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[11] owamkhipha u-Israyeli phakathi kwabo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[12] ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[13] owahlukanisa kabili uLwandle Olubomvu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[14]owawelisa u-Israyeli phakathi kwalo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[15]owachitha uFaro nempi yakhe eLwandle Olubomvu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

[16] àquele que conduziu o seu povo pelo deserto, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[17] àquele que feriu grandes reis, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[18] e tirou a vida a famosos reis, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[19] a Seom, rei dos amorreus, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[20] e a Ogue, rei de Basã, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[21] cujas terras deu em herança, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[22] em herança a Israel, seu servo, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[23] a quem se lembrou de nós em nosso abatimento, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[24] e nos libertou dos nossos adversários, porque a sua misericórdia dura para sempre;
[25] e dá alimento a toda carne, porque a sua misericórdia dura para sempre.
[26] Oh! Tributai louvores ao Deus dos céus, porque a sua misericórdia dura para sempre.

Salmo 137

Saudades da pátria

[1] Às margens dos rios da Babilônia, nós nos assentávamos e chorávamos, lembrando-nos de Sião.
[2] Nos salgueiros que lá havia, pendurávamos as nossas harpas,
[3] pois aqueles que nos levaram cativos nos pediam canções, e os nossos opressores,

[16]owahola abantu bakhe ehlane, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[17] owashaya amakhosi amakhulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[18]owabulala amakhosi adumileyo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[19] uSihoni inkosi yama-Amori, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[20] no-Ogi inkosi yaseBashani, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[21] owanika izwe labo laba yifa, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[22]laba yifa lika-Israyeli inceku yakhe, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[23] owasikhumbula sisephansi, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[24]owasikhulula ezitheni zethu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;
[25] onika inyama yonke ukudla, ngokuba umusa wakhe umi phakade.
[26]Bongani uNkulunkulu wezulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

AmaHubo 137

Ngasemifuleni yaseBabele

[1]Ngasemifuleni yaseBabele sahlala khona, sakhala, lapho sikhumbula iSiyoni.
[2]Amahabhu ethu sawaphanyeka eminyezaneni ephakathi kwalo.
[3]Ngokuba abasithumbileyo bacela ukuba sihlabelele igama, nabahluphi bethu

que fôssemos alegres, dizendo: Entoai-nos algum dos cânticos de Sião.

[4] Como, porém, haveríamos de entoar o canto do SENHOR em terra estranha?

[5] Se eu de ti me esquecer, ó Jerusalém, que se resseque a minha mão direita.

[6] Apegue-se-me a língua ao paladar, se me não lembrar de ti, se não preferir eu Jerusalém à minha maior alegria.

[7] Contra os filhos de Edom, lembra-te, SENHOR, do dia de Jerusalém, pois diziam: Arrasai, arrasai-a, até aos fundamentos.

[8] Filha da Babilônia, que hás de ser destruída, feliz aquele que te der o pago do mal que nos fizeste.

[9] Feliz aquele que pegar teus filhos e esmagá-los contra a pedra.

Salmo 138

Graças a Deus por sua fidelidade

Salmo de Davi

[1] Render-te-ei graças, SENHOR, de todo o meu coração; na presença dos poderosos te cantarei louvores.

[2] Prostrar-me-ei para o teu santo templo e louvarei o teu nome, por causa da tua misericórdia e da tua verdade, pois magnificaste acima de tudo o teu nome e a tua palavra.

[3] No dia em que eu clamei, tu me acudiste e alentaste a força de minha alma.

bafuna injabulo, bethi: Sihlabeleleni elinye lamagama aseSiyoni.

[4]Siyakuhlabelela kanjani ihubo likaJehova kwelinye izwe na?

[5]Uma ngikhohlwa wena Jerusalema, masizikhohlwe isandla sami sokunene.

[6]Ulimi lwami malunamathele olwangeni lwami, uma ngingakukhumbuli, uma ngingaphakamisi iJerusalema phezu kwentokozo yami enkulu.

[7] Khumbula, Jehova, usuku lweJerusalema, ngenxa yabantwana bakwa-Edomi abathi: Dilizani, dilizani, kuze kube sesisekelweni salo.

[8] Ndodakazi yaseBabele, wena oyakubhujiswa, ubusisiwe oyakuphindisela kuwe izenzo zakho owazenza kithina.

[9] Ubusisiwe oyakubamba abancane bakho, abaphahlaze edwaleni.

AmaHubo 138

Ukubonga uJehova omkhulu omnene

ElikaDavide.

[1]Ngiyakukubonga ngenhliziyo yami yonke; phambi kwawonkulunkulu ngiyakukuhubela.

[2] Ngiyakukhuleka phambi kwethempeli lakho elingcwele, ngibonge igama lakho ngenxa yomusa wakho neqiniso lakho, ngokuba phezu kwakho konke uphakamisile igama lakho nezwi lakho.

[3] Ngosuku engakhala ngalo wangiphendula; wangiqunga isibindi, wangipha amandla emphefumulweni wami.

4 Render-te-ão graças, ó SENHOR, todos os reis da terra, quando ouvirem as palavras da tua boca,

5 e cantarão os caminhos do SENHOR, pois grande é a glória do SENHOR.

6 O SENHOR é excelso, contudo, atenta para os humildes; os soberbos, ele os conhece de longe.

7 Se ando em meio à tribulação, tu me refazes a vida; estendes a mão contra a ira dos meus inimigos; a tua destra me salva.

8 O que a mim me concerne o SENHOR levará a bom termo; a tua misericórdia, ó SENHOR, dura para sempre; não desampares as obras das tuas mãos.

4 Onke amakhosi omhlaba ayakukubonga, Jehova, lapho ezwile amazwi omlomo wakho.

5Yebo, ayakuhlabelela ngezindlela zikaJehova, ngokuba inkulu inkazimulo kaJehova.

6 Ngokuba noma uJehova ephakeme, uyanakekela nokho ophansi; uyamazi ozidlayo ekude.

7 Noma ngihamba phakathi kwenhlupheko, uyakungiphilisa; uyakwelulela isandla sakho olakeni lwezitha zami, esokunene sakho singisindise.

8 UJehova uyakufeza okwami; Jehova, umusa wakho umi phakade; ungashiyi imisebenzi yezandla zakho.

Salmo 139

Deus onisciente e onipotente

Ao mestre de canto. Salmo de Davi

1 SENHOR, tu me sondas e me conheces.

2 Sabes quando me assento e quando me levanto; de longe penetras os meus pensamentos.

3 Esquadrinhas o meu andar e o meu deitar e conheces todos os meus caminhos.

4 Ainda a palavra me não chegou à língua, e tu, SENHOR, já a conheces toda.

5 Tu me cercas por trás e por diante e sobre mim pões a mão.

6 Tal conhecimento é maravilhoso demais para mim: é sobremodo elevado, não o posso atingir.

AmaHubo 139

UJehova uyazi konke, ukhona ezindaweni zonke

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo.

1 Jehova, uyangihlolisisa, uyangazi.

2 Uyakwazi ukuhlala kwami nokuvuka kwami, uqonda umcabango wami ukude.

3 Uyaphenya ukuhamba kwami nokulala kwami, wazana nezindlela zonke zami.

4Ngokuba alikho izwi olimini lwami, Jehova, ongalaziyo ngokupheleleyo.

5Ungizungezile ngasemuva nangaphambili, wabeka isandla sakho phezu kwami.

6Ukwazi okunjalo kuyangimangalisa; kuphakeme, anginakufinyelela kukho.

[7] Para onde me ausentarei do teu Espírito? Para onde fugirei da tua face?

[8] Se subo aos céus, lá estás; se faço a minha cama no mais profundo abismo, lá estás também;

[9] se tomo as asas da alvorada e me detenho nos confins dos mares,

[10] ainda lá me haverá de guiar a tua mão, e a tua destra me susterá.

[11] Se eu digo: as trevas, com efeito, me encobrirão, e a luz ao redor de mim se fará noite,

[12] até as próprias trevas não te serão escuras: as trevas e a luz são a mesma coisa.

[13] Pois tu formaste o meu interior, tu me teceste no seio de minha mãe.

[14] Graças te dou, visto que por modo assombrosamente maravilhoso me formaste; as tuas obras são admiráveis, e a minha alma o sabe muito bem;

[15] os meus ossos não te foram encobertos, quando no oculto fui formado e entretecido como nas profundezas da terra.

[16] Os teus olhos me viram a substância ainda informe, e no teu livro foram escritos todos os meus dias, cada um deles escrito e determinado, quando nem um deles havia ainda.

[17] Que preciosos para mim, ó Deus, são os teus pensamentos! E como é grande a soma deles!

[7]Ngiyakuyaphi, ngisuke emoyeni wakho, na? Ngiyakubalekelaphi, ngimuke ebusweni bakho, na?

[8] Uma ngikhuphukela ezulwini, wena ulapho; uma ngendlala icansi lami endaweni yabafileyo, nangu wena.

[9]Uma ngithabatha amaphiko okusa, ngiye ngihlale emikhawulweni yolwandle,

[10]nalapho isandla sakho siyakungihola, esokunene sakho singibambe.

[11]Uma bengithi: Ubumnyama mabungehlele, ukukhanya kube ngubusuku kimi,

[12] ubumnyama bebungayikuba mnyama kuwe, ngokuba ubusuku bebuyakukhanya njengemini, ubumnyama bufane nokukhanya.

[13] Ngokuba wena uzenzile izinso zami, wangaluka esiswini sikamame.

[14] Ngiyakukubonga, ngokuba ngenziwa ngokwesabekayo nangokumangalisayo; imisebenzi yakho iyamangalisa; umphefumulo wami uyakwazi kahle.

[15]Amathambo ami ayengafihlekile kuwe, lapho ngenziwa ekusithekeni, ngibunjwa ezindaweni ezijulileyo zomhlaba.

[16] Amehlo akho angibona ngiseyihlule; zonke izinsuku zami zalotshwa encwadini yakho, zanqunywa, lungakafiki nolulodwa kuzo.

[17] Imicabango yakho, Nkulunkulu, ingamagugu kimi; bukhulu kangaka ubuningi bayo.

[18] Se os contasse, excedem os grãos de areia; contaria, contaria, sem jamais chegar ao fim.
[19] Tomara, ó Deus, desses cabo do perverso; apartai-vos, pois, de mim, homens de sangue.
[20] Eles se rebelam insidiosamente contra ti e como teus inimigos falam malícia.
[21] Não aborreço eu, SENHOR, os que te aborrecem? E não abomino os que contra ti se levantam?
[22] Aborreço-os com ódio consumado; para mim são inimigos de fato.
[23] Sonda-me, ó Deus, e conhece o meu coração, prova-me e conhece os meus pensamentos;
[24] vê se há em mim algum caminho mau e guia-me pelo caminho eterno.

[18]Uma bengiyakuyibala, miningi kunesihlabathi; lapho ngivuka, bengiyakuba nawe.

[19]Sengathi ungabulala ababi, Nkulunkulu; ngalokho sukani kimi nina bantu begazi.

[20]Bakhuluma ngamacebo ngawe, baliphatha ngeze igama lakho.

[21] Jehova, angibazondi abakuzondayo na? Anginengwa ngabakuvukelayo na?

[22]Ngiyabazonda ngenzondo epheleleyo; bayizitha kimi.

[23] Ngihole, Nkulunkulu, wazi inhliziyo yami; ngilinge, wazi imicabango yami,

[24]ubone, uma kukhona indlela yosizi kimi, ungiholele endleleni yaphakade.

Salmo 140

Contra inimigos e perfídias

Ao mestre de canto. Salmo de Davi

[1] Livra-me, SENHOR, do homem perverso, guarda-me do homem violento,

[2] cujo coração maquina iniqüidades e vive forjando contendas.

[3] Aguçam a língua como a serpente; sob os lábios têm veneno de áspide.

[4] Guarda-me, SENHOR, da mão dos ímpios, preserva-me do homem violento, os quais se empenham por me desviar os passos.

AmaHubo 140

Umkhuleko wokulondolozwa

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

[1]Ngikhulule, Jehova, kumuntu omubi, ngilondoloze kumuntu oyisidlwangudlwangu.

[2]Baceba okubi enhliziyweni yabo; izinsuku zonke baviva impi.

[3] Bayalola ulimi lwabo njengenyoka; isihlungu samabululu siphansi kwezindebe zabo. *Sela*

[4]Ngilondoloze ezandleni zomubi, ngilinde kumuntu oyisidlwangudlwangu, oceba ukukhuba izinyawo zami.

[5] Os soberbos ocultaram armadilhas e cordas contra mim, estenderam-me uma rede à beira do caminho, armaram ciladas contra mim.

[6] Digo ao SENHOR: tu és o meu Deus; acode, SENHOR, à voz das minhas súplicas.

[7] Ó SENHOR, força da minha salvação, tu me protegeste a cabeça no dia da batalha.

[8] Não concedas, SENHOR, ao ímpio os seus desejos; não permitas que vingue o seu mau propósito.

[9] Se exaltam a cabeça os que me cercam, cubra-os a maldade dos seus lábios.

[10] Caiam sobre eles brasas vivas, sejam atirados ao fogo, lançados em abismos para que não mais se levantem.

[11] O caluniador não se estabelecerá na terra; ao homem violento, o mal o perseguirá com golpe sobre golpe.

[12] Sei que o SENHOR manterá a causa do oprimido e o direito do necessitado.

[13] Assim, os justos renderão graças ao teu nome; os retos habitarão na tua presença.

Salmo 141

Oração vespertina por santificação e proteção

Salmo de Davi

[1] SENHOR, a ti clamo, dá-te pressa em me acudir; inclina os ouvidos à minha voz, quando te invoco.

[5]Abazidlayo bangifihlela ugibe; ngezintambo bendlala inetha; eceleni kwendlela bangibekela izihibe. ***Sela***

[6] Ngathi kuJehova: UnguNkulunkulu wami wena. Yizwa, Jehova, izwi lokunxusa kwami.

[7] Jehova Nkosi yami, mandla ensindiso yami, uvikela ikhanda lami ngosuku lokulwa.

[8]Ungazivumeli, Jehova, izifiso zababi; ungaphumelelisi amacebo abo, funa baziphakamise. ***Sela***

[9]Maqondana nesihlungu sabangizungezayo mabambozwe ngububi bomlomo wabo.

[10] Amalahle ashisayo mawawele phezu kwabo; mabaphonswe emlilweni nasemigodini ejulileyo, bangabe besavuka.

[11] Umuntu wamanga makangamiswa emhlabeni; ububi mabuzingele umuntu oyisidlwangudlwangu, abhujiswe.

[12]Ngiyazi ukuthi uJehova uyakumela udaba lohluphekayo nokufaneleyo kwabampofu.

[13] Impela abalungileyo bayakubonga igama lakho; abaqotho bayakuhlala ebusweni bakho.

AmaHubo 141

Umkhuleko wocela ukusizwa ezilingweni nasezitheni

Ihubo likaDavide.

[1]Jehova, ngiyakhala kuwe, ngiphuthume; lalela izwi lami, nxa ngikhuleka kuwe.

[2] Suba à tua presença a minha oração, como incenso, e seja o erguer de minhas mãos como oferenda vespertina.

[3] Põe guarda, SENHOR, à minha boca; vigia a porta dos meus lábios.

[4] Não permitas que meu coração se incline para o mal, para a prática da perversidade na companhia de homens que são malfeitores; e não coma eu das suas iguarias.

[5] Fira-me o justo, será isso mercê; repreenda-me, será como óleo sobre a minha cabeça, a qual não há de rejeitá-lo. Continuarei a orar enquanto os perversos praticam maldade.

[6] Os seus juízes serão precipitados penha abaixo, mas ouvirão as minhas palavras, que são agradáveis,

[7] ainda que sejam espalhados os meus ossos à boca da sepultura, quando se lavra e sulca a terra.

[8] Pois em ti, SENHOR Deus, estão fitos os meus olhos: em ti confio; não desampares a minha alma.

[9] Guarda-me dos laços que me armaram e das armadilhas dos que praticam iniqüidade.

[10] Caiam os ímpios nas suas próprias redes, enquanto eu, nesse meio tempo, me salvo incólume.

Salmo 142

Oração no meio de grande perigo

[2] Umkhuleko wami mawube njengempepho ebusweni bakho, nokuphakanyiswa kwezandla zami njengomnikelo wakusihlwa.

[3] Jehova, bekela umlomo wami umlindi, ugcine umnyango wezindebe zami.

[4] Ungaphenduleli inhliziyo yami entweni embi ukuba ngenze imisebenzi yobubi kanye nabantu abenza okubi, ngingadli izibilebile zabo.

[5] Olungileyo makangishaye, kungumusa kimi; angisole, kungamafutha ekhanda; ikhanda lami malingawenqabi, ngokuba nasebubini babo umkhuleko wami uyobe usekhona.

[6]Abahluleli babo bayakuphonswa eweni; bayakuzwa ukuthi amazwi ami amnandi.

[7]Njengalokhu umuntu elima, eklaya umhlabathi, amathambo ethu ahlakazekile ngasemlonyeni wendawo yabafileyo.

[8] Kepha amehlo ami akuwe Jehova Nkosi yami; ngiyakwethemba wena; ungathululi umphefumulo wami.

[9]Ngihlenge ogibeni abangibekele lona, nasezihibeni zabenza okubi.

[10] Ababi mabawele emanetheni abo, mina ngidlule kuwo.

AmaHubo 142

Ukukhalela ukusindiswa ebudlwangudlwangwini babazingelayo

Salmo didático de Davi. Oração que fez quando estava na caverna
1 Sm. 24.3

1 Ao SENHOR ergo a minha voz e clamo, com a minha voz suplico ao SENHOR.

2 Derramo perante ele a minha queixa, à sua presença exponho a minha tribulação.

3 Quando dentro de mim me esmorece o espírito, conheces a minha vereda. No caminho em que ando, me ocultam armadilha.

4 Olha à minha direita e vê, pois não há quem me reconheça, nenhum lugar de refúgio, ninguém que por mim se interesse.

5 A ti clamo, SENHOR, e digo: tu és o meu refúgio, o meu quinhão na terra dos viventes.

6 Atende o meu clamor, pois me vejo muito fraco. Livra-me dos meus perseguidores, porque são mais fortes do que eu.

7 Tira a minha alma do cárcere, para que eu dê graças ao teu nome; os justos me rodearão, quando me fizeres esse bem.

Salmo 143

Súplica por libertação
Salmo de Davi

1 Atende, SENHOR, a minha oração, dá ouvidos às minhas súplicas. Responde-me, segundo a tua fidelidade, segundo a tua justiça.

2 Não entres em juízo com o teu servo, porque à tua vista não há justo nenhum vivente.

IMaskili likaDavide esemhumeni. Umkhuleko.

1Ngiyakhala kuJehova ngezwi lami, ngincenga uJehova ngezwi lami.

2Ngiyathulula ebusweni bakhe isikhalo sami, ngibonakalisa kuye inhlupheko yami.

3 Lapho umoya wami udangala phakathi kwami, wena uyawazi umkhondo wami; endleleni engihamba ngayo bangifihlele ugibe.

4 Bheka ngakwesokunene sami, ubone ukuthi akakho onginakekelayo; isiphephelo singiphuthele, akakho okhathalela umphefumulo wami.

5 Ngikhala kuwe Jehova, ngithi: Wena uyisiphephelo sami nesabelo sami ezweni labaphilayo.

6 Lalela ukukhala kwami, ngokuba ngicindezelekile kakhulu; ngikhulule kubo abangizingelayo, ngokuba banamandla kunami.

7Khipha umphefumulo wami etilongweni ukuba ngibonge igama lakho; abalungileyo bayakungizungeza, ngokuba uyakungiphatha kahle.

AmaHubo 143

Ukukhala nokukhuleka
Ihubo likaDavide.

1 Jehova, yizwa umkhuleko wami, ubeke indlebe ekuncengeni kwami; ungiphendule ngokuthembeka kwakho nokulunga kwakho.

2 Ungangeni ekwahlulelenі nenceku yakho, ngokuba akukho muntu okhona olungile emehlweni akho.

[3] Pois o inimigo me tem perseguido a alma; tem arrojado por terra a minha vida; tem-me feito habitar na escuridão, como aqueles que morreram há muito.

[4] Por isso, dentro de mim esmorece o meu espírito, e o coração se vê turbado.
[5] Lembro-me dos dias de outrora, penso em todos os teus feitos e considero nas obras das tuas mãos.

[6] A ti levanto as mãos; a minha alma anseia por ti, como terra sedenta.

[7] Dá-te pressa, SENHOR, em responder-me; o espírito me desfalece; não me escondas a tua face, para que eu não me torne como os que baixam à cova.

[8] Faze-me ouvir, pela manhã, da tua graça, pois em ti confio; mostra-me o caminho por onde devo andar, porque a ti elevo a minha alma.

[9] Livra-me, SENHOR, dos meus inimigos; pois em ti é que me refugio.

[10] Ensina-me a fazer a tua vontade, pois tu és o meu Deus; guie-me o teu bom Espírito por terreno plano.

[11] Vivifica-me, SENHOR, por amor do teu nome; por amor da tua justiça, tira da tribulação a minha alma.

[12] E, por tua misericórdia, dá cabo dos meus inimigos e destrói todos os que me atribulam a alma, pois eu sou teu servo.

[3] Ngokuba isitha siyazingela umphefumulo wami, sicindezela phansi emhlabathini ukuphila kwami; singihlalisile ebumnyameni njengabakade bafa.
[4] Umoya wami uphelile kimi; inhliziyo yami igongobele phakathi kwami.
[5] Ngiyakhumbula izinsuku zasendulo, ngizindla ngemisebenzi yakho yonke, ngicabange ngezenzo zezandla zakho.
[6] Ngiyazelulela izandla zami kuwe; umphefumulo wami womela wena njengomhlaba owomileyo. ***Sela***

[7] Shesha ungiphendule, Jehova; umoya wami uyaphela; ungangifihleli ubuso bakho, funa ngifane nabashona egodini.

[8] Ngizwise umusa wakho ekuseni, ngokuba ngiyethemba kuwe; ngazise indlela engifanele ukuhamba ngayo, ngokuba ngiphakamisela kuwe umphefumulo wami.
[9]Ngikhulule ezitheni zami; Jehova, ngicashe kuwe.
[10] Ngifundise ukwenza intando yakho, ngokuba wena unguNkulunkulu wami; umoya wakho omuhle mawungihole emhlabathini olelezekileyo.
[11]Jehova, ngiphilise ngenxa yegama lakho, ngokulunga kwakho uwukhiphe umphefumulo wami ekuhluphekeni.
[12] Zinqume izitha zami ngomusa wakho, ubabhubhise bonke abahlupha umphefumulo wami, ngokuba ngiyinceku yakho.

Salmo 144

Ações de graças pela proteção de Deus
Salmo de Davi

[1] Bendito seja o SENHOR, rocha minha, que me adestra as mãos para a batalha e os dedos, para a guerra;

[2] minha misericórdia e fortaleza minha, meu alto refúgio e meu libertador, meu escudo, aquele em quem confio e quem me submete o meu povo.

[3] SENHOR, que é o homem para que dele tomes conhecimento? E o filho do homem, para que o estimes?

[4] O homem é como um sopro; os seus dias, como a sombra que passa.

[5] Abaixa, SENHOR, os teus céus e desce; toca os montes, e fumegarão.

[6] Despede relâmpagos e dispersa os meus inimigos; arremessa as tuas flechas e desbarata-os.

[7] Estende a mão lá do alto; livra-me e arrebata-me das muitas águas e do poder de estranhos,

[8] cuja boca profere mentiras, e cuja direita é direita de falsidade.

[9] A ti, ó Deus, entoarei novo cântico; no saltério de dez cordas, te cantarei louvores.

[10] É ele quem dá aos reis a vitória; quem livra da espada maligna a Davi, seu servo.

AmaHubo 144

Ukubonga nokucela ukusindiswa nempumelelo
ElikaDavide.

[1] Makabongwe uJehova, idwala lami, ofundisa izandla zami ukuhlasela neminwe yami ukulwa,

[2] umusa wami nenqaba yami, umbhoshongo wami ophakemeyo nomkhululi wami, isihlangu sami, nengiphephela kuye, nothobisa abantu bami phansi kwami.

[3] Jehova, uyini umuntu ukuba umazi, nendodana yomuntu ukuba uyikhumbule, na?

[4] Umuntu ufana nomoya; izinsuku zakhe zinjengethunzi elidlulayo.

[5] Thobisa amazulu akho, Jehova, wehle; thinta izintaba, zithunqe.

[6] Imibani mayinyazime, ubahlakaze; thuma imicibisholo yakho, ubaphithizise.

[7] Yelula isandla sakho phezulu, ungikhulule, ungophule emanzini amakhulu nasesandleni sabafokazi

[8]abamlomo wabo ukhuluma inkohliso, nesandla sabo sokunene singesokunene samanga.

[9] Ngiyakuhlabelela kuwe Nkulunkulu isihlabelelo esisha; ngogubhu olunezintambo eziyishumi ngiyakukuhubela.

[10]Nguye onika amakhosi insindiso, okhulula inceku yakhe uDavide enkembeni elimazayo.

[11] Livra-me e salva-me do poder de estranhos, cuja boca profere mentiras, e cuja direita é direita de falsidade.

[12] Que nossos filhos sejam, na sua mocidade, como plantas viçosas, e nossas filhas, como pedras angulares, lavradas como colunas de palácio;

[13] que transbordem os nossos celeiros, atulhados de toda sorte de provisões; que os nossos rebanhos produzam a milhares e a dezenas de milhares, em nossos campos;

[14] que as nossas vacas andem pejadas, não lhes haja rotura, nem mau sucesso. Não haja gritos de lamento em nossas praças.

[15] Bem-aventurado o povo a quem assim sucede! Sim, bem-aventurado é o povo cujo Deus é o SENHOR!

Salmo 145

A bondade, grandeza e providência de Deus
Louvores de Davi

[1] Exaltar-te-ei, ó Deus meu e Rei; bendirei o teu nome para todo o sempre.

[2] Todos os dias te bendirei e louvarei o teu nome para todo o sempre.

[3] Grande é o SENHOR e mui digno de ser louvado; a sua grandeza é insondável.

[11]Ngikhulule, ungophule esandleni sabafokazi abamlomo wabo ukhuluma inkohliso, nesandla sabo sokunene singesokunene samanga.

[12]Lapho amadodana ethu enjengezithombo ezikhulileyo ebusheni bazo, namadodakazi ethu enjengamatshe amagumbi abaziwe ngendlela yokwakhiwa kwezindlu zamakhosi;

[13]lapho izingobo zethu zigcwele, ziveza izinhlobo ngezinhlobo, nezimvu zethu zizala ngezinkulungwane, yebo, ngezinkulungwane eziyishumi emadlelweni ethu;

[14]lapho izinkabi zethu zithweswe kakhulu, nalapho kungekho ukufohla kwesitha nokungena empini nezikhalo ezitaladini zethu,

[15] babusisiwe abantu abanjalo; babusisiwe abantu abaNkulunkulu wabo unguJehova.

AmaHubo 145

Ubukhulu nobumnene bukaJehova
Indumiso kaDavide.

[1] Ngiyakukuphakamisa wena Nkulunkulu wami, Nkosi, ngilituse igama lakho phakade naphakade.

[2]Imihla yonke ngiyakukubonga, ngilidumise igama lakho phakade naphakade.

[3] Mkhulu uJehova, umelwe ukudunyiswa kakhulu; ubukhulu bakhe abuphenyisiseki.

[4] Uma geração louvará a outra geração as tuas obras e anunciará os teus poderosos feitos.
[5] Meditarei no glorioso esplendor da tua majestade e nas tuas maravilhas.
[6] Falar-se-á do poder dos teus feitos tremendos, e contarei a tua grandeza.
[7] Divulgarão a memória de tua muita bondade e com júbilo celebrarão a tua justiça.
[8] Benigno e misericordioso é o SENHOR, tardio em irar-se e de grande clemência.
[9] O SENHOR é bom para todos, e as suas ternas misericórdias permeiam todas as suas obras.
[10] Todas as tuas obras te renderão graças, SENHOR; e os teus santos te bendirão.
[11] Falarão da glória do teu reino e confessarão o teu poder,
[12] para que aos filhos dos homens se façam notórios os teus poderosos feitos e a glória da majestade do teu reino.
[13] O teu reino é o de todos os séculos, e o teu domínio subsiste por todas as gerações. O SENHOR é fiel em todas as suas palavras e santo em todas as suas obras.
[14] O SENHOR sustém os que vacilam e apruma todos os prostrados.
[15] Em ti esperam os olhos de todos, e tu, a seu tempo, lhes dás o alimento.

[4] Isizukulwane siyakubabaza kwesinye imisebenzi yakho, simemezele izenzo zakho zamandla.
[5] Ngiyakuzindla ngenkazimulo nodumo lobukhosi bakho nangezimangaliso zakho.
[6]Abantu bayakukhuluma ngamandla ezenzo zakho ezesabekayo; ubukhulu bakho ngiyakubumemezela.
[7]Bayakweneka kakhulu inkumbulo yobuhle bakho obukhulu, bahube ngokulunga kwakho.
[8] UJehova unesihe nobumnene; uyephuza ukuthukuthela, mkhulu ngomusa.
[9]UJehova muhle kubo bonke; uyayihawukela imisebenzi yakhe yonke.
[10]Yonke imisebenzi yakho iyakukudumisa, abangcwele bakho bakubonge.
[11]Ngenkazimulo yombuso wakho bayakukhuluma, bashumayele ngamandla akho
[12]ukuba babazise abantwana babantu izenzo zakho zamandla nenkazimulo yobukhosi bombuso wakho.
[13] Umbuso wakho ungumbuso kuze kube phakade; ubukhosi bakho busezizukulwaneni ngezizukulwane.
[14]UJehova uyaphasa bonke abawayo, abavuse bonke abathotshisiweyo.
[15] Amehlo abo bonke alinda wena; uyabanika ukudla ngesikhathi esiyiso.

[16] Abres a mão e satisfazes de benevolência a todo vivente.

[17] Justo é o SENHOR em todos os seus caminhos, benigno em todas as suas obras.

[18] Perto está o SENHOR de todos os que o invocam, de todos os que o invocam em verdade.

[19] Ele acode à vontade dos que o temem; atende-lhes o clamor e os salva.

[20] O SENHOR guarda a todos os que o amam; porém os ímpios serão exterminados.

[21] Profira a minha boca louvores ao SENHOR, e toda carne louve o seu santo nome, para todo o sempre.

Salmo 146

A fraqueza do homem e a fidelidade de Deus

[1] Aleluia! Louva, ó minha alma, ao SENHOR.

[2] Louvarei ao SENHOR durante a minha vida; cantarei louvores ao meu Deus, enquanto eu viver.

[3] Não confieis em príncipes, nem nos filhos dos homens, em quem não há salvação.

[4] Sai-lhes o espírito, e eles tornam ao pó; nesse mesmo dia, perecem todos os seus desígnios.

[5] Bem-aventurado aquele que tem o Deus de Jacó por seu auxílio, cuja esperança está no SENHOR, seu Deus,

[6] que fez os céus e a terra, o mar e tudo o que neles há e mantém para sempre a sua fidelidade.

[16] Uyavula isandla sakho, usuthise ukufisa kwakho konke okuphilayo.

[17]UJehova ulungile ezindleleni zakhe zonke, unomusa emisebenzini yakhe yonke.

[18] UJehova useduze nabo bonke abambizayo, bonke abambizayo ngeqiniso.

[19] Uyasuthisa ukufisa kwabamesabayo; uyezwa ukukhala kwabo, abasindise.

[20]UJehova uyalondoloza bonke abamthandayo, kepha ababi bonke uyakubabhubhisa.

[21]Umlomo wami uyakukhuluma udumo lukaJehova, inyama yonke ibonge igama lakhe elingcwele kuze kube phakade.

AmaHubo 146

Ukudumisa uJehova, umsizi olungileyo

[1] Haleluya! Dumisa uJehova, mphefumulo wami.

[2] Ngisaphila ngiyakumdumisa uJehova, ngihube kuNkulunkulu wami ngisekhona.

[3] Ningethembi ezikhulwini nasendodaneni yomuntu okungekho kuyo ukusiza.

[4] Umoya wakhe uyaphuma, yena abuyele emhlabathini wakhe; ngalona lolo suku amacebo akhe ayaphela.

[5] Ubusisiwe yena omsizi wakhe unguNkulunkulu kaJakobe, othemba lakhe likuJehova uNkulunkulu wakhe

[6] owenzile izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okuphakathi kwakho, ogcina iqiniso kuze kube phakade;

[7] Que faz justiça aos oprimidos e dá pão aos que têm fome. O SENHOR liberta os encarcerados.

[8] O SENHOR abre os olhos aos cegos, o SENHOR levanta os abatidos, o SENHOR ama os justos.

[9] O SENHOR guarda o peregrino, ampara o órfão e a viúva, porém transtorna o caminho dos ímpios.

[10] O SENHOR reina para sempre; o teu Deus, ó Sião, reina de geração em geração. Aleluia!

Salmo 147

Louvor ao Deus Todo-Poderoso

[1] Louvai ao SENHOR, porque é bom e amável cantar louvores ao nosso Deus; fica-lhe bem o cântico de louvor.

[2] O SENHOR edifica Jerusalém e congrega os dispersos de Israel;

[3] sara os de coração quebrantado e lhes pensa as feridas.

[4] Conta o número das estrelas, chamando-as todas pelo seu nome.

[5] Grande é o SENHOR nosso e mui poderoso; o seu entendimento não se pode medir.

[6] O SENHOR ampara os humildes e dá com os ímpios em terra.

[7] Cantai ao SENHOR com ações de graças; entoai louvores, ao som da harpa, ao nosso Deus,

[7] obenzela abacindezelweyo ukwahlulela, obapha abalambileyo ukudla; uJehova uyakhulula iziboshwa.

[8] UJehova uyenza ukuba izimpumputhe zibone; uJehova uyavusa abathotshisiweyo; uJehova uyathanda abalungileyo.

[9] UJehova uyalondoloza abafokazi; uyaphasa intandane nomfelokazi; kepha indlela yababi uyayiphambanisa.

[10] UJehova uyabusa kuze kube phakade, uNkulunkulu wakho, Siyoni, ezizukulwaneni ngezizukulwane. Haleluya!

AmaHubo 147

Ukudumisa uJehova, uSomandla noMninimusa

[1] Haleluya! Ngokuba kuhle ukuhlabelela kuNkulunkulu wethu, yebo, kumnandi; ukudumisa kufanele.

[2] UJehova uyalakha iJerusalema; abaxoshiweyo bakwa-Israyeli uyababutha.

[3] Uyaphilisa abenhliziyo echobozekileyo; izilonda zabo uyazibopha.

[4] Uyabala inani lezinkanyezi, azibize zonke ngamagama.

[5] INkosi yethu inkulu, makhulu amandla ayo; ukuqonda kwakhe akunakulinganiswa.

[6] UJehova uyaphakamisa abathobekileyo; ababi uyabawisa phansi emhlabathini.

[7] Hubelani uJehova ngokubonga, nimdumise uNkulunkulu wethu ngehabhu,

[8] que cobre de nuvens os céus, prepara a chuva para a terra, faz brotar nos montes a erva

[9] e dá o alimento aos animais e aos filhos dos corvos, quando clamam.

[10] Não faz caso da força do cavalo, nem se compraz nos músculos do guerreiro.

[11] Agrada-se o SENHOR dos que o temem e dos que esperam na sua misericórdia.

[12] Louva, Jerusalém, ao SENHOR; louva, Sião, ao teu Deus.

[13] Pois ele reforçou as trancas das tuas portas e abençoou os teus filhos, dentro de ti;

[14] estabeleceu a paz nas tuas fronteiras e te farta com o melhor do trigo.

[15] Ele envia as suas ordens à terra, e sua palavra corre velozmente;

[16] dá a neve como lã e espalha a geada como cinza.

[17] Ele arroja o seu gelo em migalhas; quem resiste ao seu frio?

[18] Manda a sua palavra e o derrete; faz soprar o vento, e as águas correm.

[19] Mostra a sua palavra a Jacó, as suas leis e os seus preceitos, a Israel.

[20] Não fez assim a nenhuma outra nação; todas ignoram os seus preceitos. Aleluia!

Salmo 148

Um coro de aleluias

[1] Aleluia! Louvai ao SENHOR do alto dos céus, louvai-o nas alturas.

[8] osibekela izulu ngamafu, olungisela umhlaba imvula, ohlumisa utshani ezintabeni.

[9] Unika izinkomo ukudla kwazo, namazinyane egwababa akhalayo.

[10] Akathokozi ngamandla ehhashi, akajabuleli imilenze yomuntu.

[11]UJehova uyathokoza ngabamesabayo, abathemba umusa wakhe.

[12]Jerusalema, mbabaze uJehova; Siyoni, mdumise uNkulunkulu wakho.

[13]Ngokuba uqinisile imigoqo yamasango; ubusisile abantwana bakho phakathi kwakho.

[14]Uyenza ukuthula emikhawulweni yakho; uyakusuthisa ngokolweni omuhle.

[15]Uyathumela umyalo wakhe emhlabeni; izwi lakhe ligijima ngejubane elikhulu.

[16] Uyanika iqhwa njengoboya; uhlakaza isithwathwa njengomlotha.

[17]Uyaphonsa isichotho sakhe njengezinhlamvu; ngubani ongema phambi kwamakhaza akhe na?

[18]Uyathuma izwi lakhe, likuncibilikise; uyavusa umoya wakhe, amanzi agobhoze.

[19] Uyatshengisa izwi lakhe kuJakobe, izimiso zakhe nezahlulelo zakhe ku-Israyeli.

[20] Akenzanga njalo kwesinye isizwe nesisodwa: izahlulelo zakhe asizazi. Haleluya!

AmaHubo 148

Izulu nomhlaba makudumise uJehova

[1] Haleluya! Dumisani uJehova ezulwini, nimdumise kweliphezulu.

2 Louvai-o, todos os seus anjos; louvai-o, todas as suas legiões celestes.

3 Louvai-o, sol e lua; louvai-o, todas as estrelas luzentes.

4 Louvai-o, céus dos céus e as águas que estão acima do firmamento.

5 Louvem o nome do SENHOR, pois mandou ele, e foram criados.

6 E os estabeleceu para todo o sempre; fixou-lhes uma ordem que não passará.

7 Louvai ao SENHOR da terra, monstros marinhos e abismos todos;

8 fogo e saraiva, neve e vapor e ventos procelosos que lhe executam a palavra;

9 montes e todos os outeiros, árvores frutíferas e todos os cedros;

10 feras e gados, répteis e voláteis;

11 Reis da terra e todos os povos, príncipes e todos os juízes da terra;

12 rapazes e donzelas, velhos e crianças.

13 Louvem o nome do SENHOR, porque só o seu nome é excelso; a sua majestade é acima da terra e do céu.

14 Ele exalta o poder do seu povo, o louvor de todos os seus santos, dos filhos de Israel, povo que lhe é chegado. Aleluia!

Salmo 149

Os fiéis louvam a Deus

2Mdumiseni nina zingelosi zakhe zonke, nimdumise nina mabandla akhe onke.

3Mdumiseni nina langa nenyanga, nimdumise nina zinkanyezi zonke ezikhanyayo.

4 Mdumiseni nina mazulu amazulu, nina manzi aphezu kwezulu.

5Makuthathe kudumise igama likaJehova, ngokuba wayaleza, kwadaleka.

6 Futhi wakumisa kuze kube phakade; washaya umthetho ongenakweqiwa.

7Mdumiseni uJehova emhlabeni nina mikhomo nezintwa zonke,

8 nawe mlilo nesichotho, liqhwa nenkwezane, nawe siphepho esenza okwezwi lakhe,

9nani zintaba namagquma onke, nani mithi ethelayo nayo yonke imisedari,

10nani zilwane nezinkomo zonke, nani eninwabuzelayo nezinyoni ezindizayo,

11nani makhosi omhlaba nabantu bonke, nani zikhulu nabahluleli bonke bomhlaba,

12nani zinsizwa nezintombi, nani maxhegu nabafana.

13 Mabadumise igama likaJehova, ngokuba ngelakhe igama lodwa eliphakeme; inkazimulo yakhe iphezu komhlaba nezulu.

14Usephakamisile uphondo lwabantu bakhe; ngalokho bayamdumisa abangcwele bakhe, abantwana bakwa-Israyeli, abantu abaseduze naye. Haleluya!

AmaHubo 149

Dumisani uJehova

1 Aleluia! Cantai ao SENHOR um novo cântico e o seu louvor, na assembléia dos santos.

2 Regozije-se Israel no seu Criador, exultem no seu Rei os filhos de Sião.

3 Louvem-lhe o nome com flauta; cantem-lhe salmos com adufe e harpa.

4 Porque o SENHOR se agrada do seu povo e de salvação adorna os humildes.

5 Exultem de glória os santos, no seu leito cantem de júbilo.

6 Nos seus lábios estejam os altos louvores de Deus, nas suas mãos, espada de dois gumes,

7 para exercer vingança entre as nações e castigo sobre os povos;

8 para meter os seus reis em cadeias e os seus nobres, em grilhões de ferro;

9 para executar contra eles a sentença escrita, o que será honra para todos os seus santos. Aleluia!

1 Haleluya! Hlabelelani kuJehova igama elisha, indumiso yakhe emhlanganweni wabangcwele.

2 U-Israyeli makathokoze ngowamEnzayo, abantwana baseSiyoni bethabele iNkosi yabo.

3 Mabadumise igama lakhe ngokusina, bamhubele ngesigubhu nehabhu.

4Ngokuba uJehova uyathokoza ngabantu bakhe; abathobekileyo uyabahlobisa ngensindiso.

5Abalungileyo mabethabe ngobukhosi,

6 Ukumphakamisa uNkulunkulu makube semlonyeni wabo, nenkemba esika nhlangothi zombili esandleni sabo,

7ukuba benze impindiselo kubo abezizwe nezijeziso kubantu,

8 babophe amakhosi abo ngamaketanga nabadumileyo babo ngezibopho zensimbi,

9 bafeze phezu kwabo isahlulelo esilotshiweyo; kuludumo kubo bonke abangcwele bakhe. Haleluya!

Salmo 150

Doxologia final

1 Aleluia! Louvai a Deus no seu santuário; louvai-o no firmamento, obra do seu poder.

2 Louvai-o pelos seus poderosos feitos; louvai-o consoante a sua muita grandeza.

3 Louvai-o ao som da trombeta; louvai-o com saltério e com harpa.

AmaHubo 150

Udumiso lukaNkulunkulu

1 Haleluya! Dumisani uNkulunkulu endlini yakhe engcwele, nimdumise emkhathini wakhe wamandla.

2Mdumiseni ngenxa yezenzo zakhe zamandla, nimdumise ngenxa yobukhosi bakhe obukhulu.

3Mdumiseni ngezwi lecilongo, nimdumise ngogubhu nehabhu.

[4] Louvai-o com adufes e danças; louvai-o com instrumentos de cordas e com flautas.

[5] Louvai-o com címbalos sonoros; louvai-o com címbalos retumbantes.

[6] Todo ser que respira louve ao SENHOR. Aleluia!

[4] Mdumiseni ngesigubhu nokusina, nimdumise ngezingubhu ezinezintambo eziyishumi nemitshingo.

[5]Mdumiseni ngamasimbali ancencethayo, nimdumise ngezinsimbi ezikhencezayo.

[6] Konke okuphefumulayo makudumise uJehova. Haleluya!

Provérbios de Salomão	IzAga

Provérbios 1

Uso dos provérbios

[1] Provérbios de Salomão, filho de Davi, o rei de Israel.

[2] Para aprender a sabedoria e o ensino; para entender as palavras de inteligência;

[3] para obter o ensino do bom proceder, a justiça, o juízo e a eqüidade;

[4] para dar aos simples prudência e aos jovens, conhecimento e bom siso.

[5] Ouça o sábio e cresça em prudência; e o instruído adquira habilidade

[6] para entender provérbios e parábolas, as palavras e enigmas dos sábios.

[7] O temor do SENHOR é o princípio do saber, mas os loucos desprezam a sabedoria e o ensino.

Contra as seduções dos pecadores

[8] Filho meu, ouve o ensino de teu pai e não deixes a instrução de tua mãe.

[9] Porque serão diadema de graça para a tua cabeça e colares, para o teu pescoço.

[10] Filho meu, se os pecadores querem seduzir-te, não o consintas.

[11] Se disserem: Vem conosco, embosquemo-nos para derramar sangue, espreitemos, ainda que sem motivo, os inocentes;

IzAga 1

Umgomo wezaga

[1] Nazi izaga zika Solomoni indodana kaDavide, inkosi yakwa-Israyeli,

[2]zokwazi ukuhlakanipha nokulaywa, nokwahlukanisa amazwi okuqonda,

[3]nokwamukela ukulaywa kube ngukuhlakanipha, nokulunga, nokwahlulela, neqiniso,

[4]nokunika abangenalwazi ukuhlakanipha, nezinsizwa ukwazi namasu,

[5]ukuze ohlakaniphileyo ezwe, aqhubeke ekufundeni, noqondileyo athole iziluleko ezinhle

[6]ukuba aqonde izaga nezimfihlakalo, namazwi abahlakaniphileyo nezimfumbe zabo.

[7] Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha; iziwula ziyadelela ukuhlakanipha nokulaywa.

[8] Ndodana yami, yizwa ukulaya kukayihlo, ungawushiyi umthetho kanyoko,

[9] ngokuba kuyakuba ngumqhele omuhle wekhanda lakho, nemigexo entanyeni yakho.

[10] Ndodana yami, uma izoni zikuyenga, ungavumi.

[11]Uma zithi: Hamba nathi, siqamekele igazi, sibhacele ngeze ongenacala,

[12] traguemo-los vivos, como o abismo, e inteiros, como os que descem à cova;

[13] acharemos toda sorte de bens preciosos; encheremos de despojos a nossa casa;
[14] lança a tua sorte entre nós; teremos todos uma só bolsa.

[15] Filho meu, não te ponhas a caminho com eles; guarda das suas veredas os pés;

[16] porque os seus pés correm para o mal e se apressam a derramar sangue.
[17] Pois debalde se estende a rede à vista de qualquer ave.
[18] Estes se emboscam contra o seu próprio sangue e a sua própria vida espreitam.
[19] Tal é a sorte de todo ganancioso; e este espírito de ganância tira a vida de quem o possui.

Clama a Sabedoria

[20] Grita na rua a Sabedoria, nas praças, levanta a voz;

[21] do alto dos muros clama, à entrada das portas e nas cidades profere as suas palavras:
[22] Até quando, ó néscios, amareis a necedade? E vós, escarnecedores, desejareis o escárnio? E vós, loucos, aborrecereis o conhecimento?
[23] Atentai para a minha repreensão; eis que derramarei copiosamente para vós outros o meu espírito e vos farei saber as minhas palavras.

[12]sibagwinye besezwa njengendawo yabafileyo, besaphilile njengabehlela egodini;
[13]yonke impahla eyigugu siyakuyifumana, sigcwalise izindlu zethu ngempango;
[14]yenza inkatho yakho phakathi kwethu, sibe nesikhwama sinye sonke,
[15]ndodana yami, ungahambi nazo endleleni, unqande unyawo lwakho emikhondweni yazo,
[16] ngokuba izinyawo zazo zigijimela ebubini, zishesha ukuchitha igazi.
[17]Ngokuba inetha lenekelwe ize emehlweni azo zonke izinyoni.
[18]Kepha laba baqamekela elabo igazi, babhacela okwabo ukuphila.

[19] Zinjalo izindlela zabo bonke abaphanga impango; iyasusa ukuphila komniniyo.

[20]Ukuhlakanipha kuyamemeza emigwaqweni, kuyezwakalisa izwi lakho ezigcawini;
[21] emashashalazini emigwaqo kuyaduma; ngasezikhaleni zamasango omuzi kuyakhuluma amazwi akho okuthi:

[22] Koze kube nini iziwula zithanda ubuwula, nezideleli zijabula ukudelela, neziwula zizonda ukwazi, na?

[23]Buyani ngokusola kwami; bhekani, ngiyakuthululula umoya wami phezu kwenu, nginazise amazwi ami.

[24] Mas, porque clamei, e vós recusastes; porque estendi a mão, e não houve quem atendesse;

[25] antes, rejeitastes todo o meu conselho e não quisestes a minha repreensão;

[26] também eu me rirei na vossa desventura, e, em vindo o vosso terror, eu zombarei,

[27] em vindo o vosso terror como a tempestade, em vindo a vossa perdição como o redemoinho, quando vos chegar o aperto e a angústia.

[28] Então, me invocarão, mas eu não responderei; procurar-me-ão, porém não me hão de achar.

[29] Porquanto aborreceram o conhecimento e não preferiram o temor do SENHOR;

[30] não quiseram o meu conselho e desprezaram toda a minha repreensão.

[31] Portanto, comerão do fruto do seu procedimento e dos seus próprios conselhos se fartarão.

[32] Os néscios são mortos por seu desvio, e aos loucos a sua impressão de bem-estar os leva à perdição.

[33] Mas o que me der ouvidos habitará seguro, tranqüilo e sem temor do mal.

Provérbios 2

A excelência da sabedoria

[1] Filho meu, se aceitares as minhas palavras e esconderes contigo os meus mandamentos,

[24] Ngokuba ngibizile, nala nina; ngelula isandla sami, akubangakho onakayo;

[25]kepha nichithile konke ukululeka kwami, anivumanga ukusola kwami;

[26] nami ngiyakuhleka ingozi yenu, ngiklolodele ukufika kwenikwesabayo,

[27]lapho kufika njengesivunguvungu lokho enikwesabayo, nengozi yenu iza njengesikhwishikhwishi, lapho nehlelwa ngukuhlupheka nosizi.

[28] Khona bayakungibiza, kepha angiyikuphendula; bayakungifunisisa, kepha abayikungifumana

[29]ngenxa yokuba babezonda ukwazi, kabakhethanga ukwesaba uJehova,

[30]bengavumanga ukululeka kwami, bedelela konke ukusola kwami.

[31] Ngalokho bayakudla izithelo zendlela yabo, basuthe ngamacebo abo.

[32]Ngokuba ukuhlehla kwabangenalwazi kuyakubabulala, nokunganaki kweziwula kuyakubabhubhisa.

[33]Kepha ongilalelayo uyakuhlala elondekile, agcineke, angabi naluvalo ngokubi.

IzAga 2

Isibusiso sokuhlakanipha

[1]Ndodana yami, uma wamukela amazwi ami, uzibekelele imiyalo yami,

[2] para fazeres atento à sabedoria o teu ouvido e para inclinares o coração ao entendimento,

[3] e, se clamares por inteligência, e por entendimento alçares a voz,

[4] se buscares a sabedoria como a prata e como a tesouros escondidos a procurares,

[5] então, entenderás o temor do SENHOR e acharás o conhecimento de Deus.

[6] Porque o SENHOR dá a sabedoria, e da sua boca vem a inteligência e o entendimento.

[7] Ele reserva a verdadeira sabedoria para os retos; é escudo para os que caminham na sinceridade,

[8] guarda as veredas do juízo e conserva o caminho dos seus santos.

[9] Então, entenderás justiça, juízo e eqüidade, todas as boas veredas.

[10] Porquanto a sabedoria entrará no teu coração, e o conhecimento será agradável à tua alma.

[11] O bom siso te guardará, e a inteligência te conservará;

[12] para te livrar do caminho do mal e do homem que diz coisas perversas;

[13] dos que deixam as veredas da retidão, para andarem pelos caminhos das trevas;

[14] que se alegram de fazer o mal, folgam com as perversidades dos maus,

[15] seguem veredas tortuosas e se desviam nos seus caminhos;

[2]ukuze ubeke indlebe yakho ekuhlakanipheni, uthobisele ekuqondeni inhliziyo yakho,

[3] yebo, uma ukhala ngengqondo, uzwakalisa izwi lakho ngokuqonda,

[4]uma ukufuna njengesiliva, ukuphenya njengamagugu afihliweyo,

[5]khona uyakuqonda ukumesaba uJehova, ufumane ukumazi uNkulunkulu.

[6] Ngokuba uJehova uyanika ukuhlakanipha; emlonyeni wakhe kuphuma ukwazi nokuqonda.

[7]Uyabekela abaqotho isibusiso, uyihawu kwabahamba bengenacala,

[8] egcina izindlela zokulunga, elondoloza imikhondo yabathembekileyo bakhe.

[9]Khona uyakuqonda ukulunga nokwahlulela, neqiniso, yebo, nezindlela zonke ezinhle.

[10]Ngokuba ukuhlakanipha kuyakungena enhliziyweni yakho, ukwazi kube mnandi emphefumulweni wakho.

[11]Amasu ayakukulinda, ukuqonda kukugcine,

[12]ukuze wophulwe endleleni yobubi nakubantu abakhuluma okuphambeneyo,

[13]abashiya imikhondo yobuqotho, ukuze bahambe ngezindlela zobumnyama;

[14]abathokoza ngokwenza okubi, bajabulele ukuphambana kobubi;

[15]abazindlela zabo ziyisigwegwe, nemikhondo yabo iphambene,

[16] para te livrar da mulher adúltera, da estrangeira, que lisonjeia com palavras,

[17] a qual deixa o amigo da sua mocidade e se esquece da aliança do seu Deus;

[18] porque a sua casa se inclina para a morte, e as suas veredas, para o reino das sombras da morte;

[19] todos os que se dirigem a essa mulher não voltarão e não atinarão com as veredas da vida.

[20] Assim, andarás pelo caminho dos homens de bem e guardarás as veredas dos justos.

[21] Porque os retos habitarão a terra, e os íntegros permanecerão nela.

[22] Mas os perversos serão eliminados da terra, e os aleivosos serão dela desarraigados.

[16] ukuba wophulwe kowesifazane ondindayo nakuye owezizwe onamazwi athophayo,

[17]oshiya umngane wobusha bakhe, akhohlwe isivumelwano sikaNkulunkulu wakhe,

[18] ngokuba indlu yakhe ishonela ekufeni, nasezithunzini izindlela zakhe.

[19]Bonke abangena kuye ababuyi, bangafinyeleli ezindleleni zokuphila.

[20]Kanjalo uyakuhamba ezindleleni zabahle, ugcine imikhondo yabalungileyo.

[21] Ngokuba abaqotho bayakuhlala ezweni, abapheleleyo basale kulo.

[22] Kepha ababi bayakunqunywa ezweni, nabambuluzayo bayakusishulwa kulo.

Provérbios 3

Exortações da Sabedoria a obedecer ao Senhor

[1] Filho meu, não te esqueças dos meus ensinos, e o teu coração guarde os meus mandamentos;

[2] porque eles aumentarão os teus dias e te acrescentarão anos de vida e paz.

[3] Não te desamparem a benignidade e a fidelidade; ata-as ao pescoço; escreve-as na tábua do teu coração

[4] e acharás graça e boa compreensão diante de Deus e dos homens.

IzAga 3

Ukumethemba uJehova

[1] Ndodana yami, ungakhohlwa umthetho wami, kepha inhliziyo yakho mayigcine imiyalo yami,

[2]ngokuba iyakwenezela kuwe ubude bezinsuku, neminyaka yokuphila, nokuthula.

[3] Isihhe neqiniso makungakushiyi; kubophe entanyeni yakho, ukulobe esibhebheni senhliziyo yakho,

[4]ukuze uthole umusa nodumo oluhle emehlweni kaNkulunkulu nabantu.

[5] Confia no SENHOR de todo o teu coração e não te estribes no teu próprio entendimento.

[6] Reconhece-o em todos os teus caminhos, e ele endireitará as tuas veredas.

[7] Não sejas sábio aos teus próprios olhos; teme ao SENHOR e aparta-te do mal;

[8] será isto saúde para o teu corpo e refrigério, para os teus ossos.

[9] Honra ao SENHOR com os teus bens e com as primícias de toda a tua renda;

[10] e se encherão fartamente os teus celeiros, e transbordarão de vinho os teus lagares.

[11] Filho meu, não rejeites a disciplina do SENHOR, nem te enfades da sua repreensão.

[12] Porque o SENHOR repreende a quem ama, assim como o pai, ao filho a quem quer bem.

[13] Feliz o homem que acha sabedoria, e o homem que adquire conhecimento;

[14] porque melhor é o lucro que ela dá do que o da prata, e melhor a sua renda do que o ouro mais fino.

[15] Mais preciosa é do que pérolas, e tudo o que podes desejar não é comparável a ela.

[16] O alongar-se da vida está na sua mão direita, na sua esquerda, riquezas e honra.

[17] Os seus caminhos são caminhos deliciosos, e todas as suas veredas, paz.

[5] Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda.

[6]Mazise yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho.

[7] Ungabi ngohlakaniphileyo emehlweni akho; mesabe uJehova, udede ebubini.

[8] Lokho kuyakuba yimpilo emzimbeni wakho nokuhlunyelelwa kwamathambo akho.

[9] Dumisa uJehova ngempahla yakho, nangolibo lwazo zonke izithelo zakho,

[10]izinqolobane zakho zigcwale ngobuningi, nezikhamo zakho zichichime ngewayini elisha.

[11] Ndodana yami, ungadeleli ukulaya kukaJehova, ungakhathazeki ngokusola kwakhe.

[12] Ngokuba uJehova uyamlaya amthandayo, njengoyise indodana ayithandayo.

[13]Ubusisiwe umuntu othola ukuhlakanipha nomuntu ozuza ingqondo,

[14] ngokuba inzuzo yakho inhle kunenzuzo yesiliva, nokutholakalayo kukho kunegolide.

[15] Kuyigugu kunamarubi, nakho konke ongakufisa akunakulinganiswa nakho.

[16] Ubude bezinsuku busesandleni sakho sokunene, nakwesokhohlo kukhona ingcebo nodumo.

[17]Izindlela zakho ziyizindlela zokumnandi; yonke imikhondo yakho ingukuthula.

[18] É árvore de vida para os que a alcançam, e felizes são todos os que a retêm.

[19] O SENHOR com sabedoria fundou a terra, com inteligência estabeleceu os céus.

[20] Pelo seu conhecimento os abismos se rompem, e as nuvens destilam orvalho.

[21] Filho meu, não se apartem estas coisas dos teus olhos; guarda a verdadeira sabedoria e o bom siso;

[22] porque serão vida para a tua alma e adorno ao teu pescoço.

[23] Então, andarás seguro no teu caminho, e não tropeçará o teu pé.

[24] Quando te deitares, não temerás; deitar-te-ás, e o teu sono será suave.

[25] Não temas o pavor repentino, nem a arremetida dos perversos, quando vier.

[26] Porque o SENHOR será a tua segurança e guardará os teus pés de serem presos.

[27] Não te furtes a fazer o bem a quem de direito, estando na tua mão o poder de fazê-lo.

[28] Não digas ao teu próximo: Vai e volta amanhã; então, to darei, se o tens agora contigo.

[29] Não maquines o mal contra o teu próximo, pois habita junto de ti confiadamente.

[30] Jamais pleiteies com alguém sem razão, se te não houver feito mal.

[18] Kungumuthi wokuphila kwabakubambayo, nababambelela kukho babusisiwe.

[19] UJehova wasekela umhlaba ngokuhlakanipha; wamisa amazulu ngokuqonda.

[20]Ngokwazi kwakhe izintwa zaqhekezwa, namafu aconsa amazolo.

[21]Ndodana yami, lokho makungasuki emehlweni akho, ugcine ukuhlakanipha namasu,

[22]kube ngukuphila emphefumulweni wakho nomusa entanyeni yakho.

[23]Khona uyakuhamba indlela yakho ngokulondeka, ungaqhuzuli unyawo lwakho.

[24] Lapho ulala phansi, awuyikwesaba lutho; nanxa usulale phansi, ubuthongo bakho buyakuba mnandi.

[25] Ungethuswa luvalo oluzumayo nokuchithwa kwababi, lapho kufika,

[26]ngokuba uJehova uyakuba yithemba lakho, agcine unyawo lwakho ukuba lungabhajwa.

[27]Ungagodleli abaninikho okuhle, lapho kusemandleni esandla sakho ukukwenza.

[28] Ungasho kumakhelwane wakho ukuthi: Hamba, ubuye, ngiyakukunika kusasa, lapho kukhona kuwe.

[29]Ungacebi okubi ngomakhelwane wakho, lapho ehlezi nawe elondekile.

[30]Ungaphikisani namuntu ngeze, uma engakonanga ngalutho.

[31] Não tenhas inveja do homem violento, nem sigas nenhum de seus caminhos;

[32] porque o SENHOR abomina o perverso, mas aos retos trata com intimidade.

[33] A maldição do SENHOR habita na casa do perverso, porém a morada dos justos ele abençoa.

[34] Certamente, ele escarnece dos escarnecedores, mas dá graça aos humildes.

[35] Os sábios herdarão honra, mas os loucos tomam sobre si a ignomínia.

[31] Ungabi namhawu ngomuntu oyisidlwangudlwangu, ungakhethi neyodwa yezindlela zakhe,

[32] ngokuba ophambeneyo uyisinengiso kuJehova. kepha abaqotho bayisifuba sakhe.

[33] Isiqalekiso sikaJehova sisendlini yababi, kepha uyabusisa ikhaya labalungileyo.

[34] Izideleli uyazidelela, kepha abathobekileyo ubapha umusa.

[35]Abahlakaniphileyo bayakudla ifa lodumo, kepha iziwula ziyakuphiwa ihlazo.

Provérbios 4

Exortação paternal

[1] Ouvi, filhos, a instrução do pai e estai atentos para conhecerdes o entendimento;

[2] porque vos dou boa doutrina; não deixeis o meu ensino.

[3] Quando eu era filho em companhia de meu pai, tenro e único diante de minha mãe,

[4] então, ele me ensinava e me dizia: Retenha o teu coração as minhas palavras; guarda os meus mandamentos e vive;

[5] adquire a sabedoria, adquire o entendimento e não te esqueças das palavras da minha boca, nem delas te apartes.

[6] Não desampares a sabedoria, e ela te guardará; ama-a, e ela te protegerá.

IzAga 4

Ukulaya kukayise

[1] Zwanini, madodana ami, ukulaya kukayise, nilalele, ukuze nazi ukuqonda.

[2]Ngokuba ngiyaninika izifundiso ezinhle; ningawushiyi umthetho wami.

[3]Ngokuba ngangiyindodana kubaba, ethambileyo neyodwa emehlweni kamame.

[4] Wangifundisa, wathi kimi: Inhliziyo yakho mayibambe amazwi ami; gcina imiyalo yami, uphile.

[5]Zuza ukuhlakanipha, zuza ukuqonda; ungakhohlwa, ungachezuki emazwini omlomo wami;

[6]ungakushiyi, kuyakukugcina; kuthande, kuyakukulondoloza.

[7] O princípio da sabedoria é: Adquire a sabedoria; sim, com tudo o que possuis, adquire o entendimento.
[8] Estima-a, e ela te exaltará; se a abraçares, ela te honrará;
[9] dará à tua cabeça um diadema de graça e uma coroa de glória te entregará.
[10] Ouve, filho meu, e aceita as minhas palavras, e se te multiplicarão os anos de vida.
[11] No caminho da sabedoria, te ensinei e pelas veredas da retidão te fiz andar.
[12] Em andando por elas, não se embaraçarão os teus passos; se correres, não tropeçarás.
[13] Retém a instrução e não a largues; guarda-a, porque ela é a tua vida.
[14] Não entres na vereda dos perversos, nem sigas pelo caminho dos maus.
[15] Evita-o; não passes por ele; desvia-te dele e passa de largo;
[16] pois não dormem, se não fizerem mal, e foge deles o sono, se não fizerem tropeçar alguém;
[17] porque comem o pão da impiedade e bebem o vinho das violências.
[18] Mas a vereda dos justos é como a luz da aurora, que vai brilhando mais e mais até ser dia perfeito.
[19] O caminho dos perversos é como a escuridão; nem sabem eles em que tropeçam.

[7]Ukuqala kokuhlakanipha yilokhu: Zuza ukuhlakanipha; yebo, ngakho konke okutholileyo zuza ukuhlakanipha.
[8] Kukhulise, kuyakukuphakamisa; kuyakukudumisa, lapho ukugona.
[9] Kuyakunika ikhanda lakho umgexo womusa, kunikeze kuwe umqhele wodumo.
[10]Yizwa, ndodana yami, wamukele izwi lami; kuyakuthi iminyaka yokuphila kwakho ibe miningi.
[11]Ngikufundisa ngendlela yokuhlakanipha; ngikuhola emikhondweni yobuqotho.
[12]Ekuhambeni kwakho isinyathelo asiyikuvinjelwa, nasekugijimeni kwakho awuyikukhubeka.
[13]Bambelela ekulayweni, ungakuyeki; kulonde, ngokuba kungukuphila kwakho.
[14] Ungangeni emkhondweni wababi, ungahambi endleleni yabonakeleyo.
[15]Yixwaye, ungadluli ngayo; chezuka kuyo, udlule.
[16]Ngokuba abalali, uma bengenzanga okubi; ubuthongo buyasuswa, uma bengakhubekisanga muntu.
[17]Ngokuba badla isinkwa sobubi, baphuza iwayini lobudlwangudlwangu.
[18]Umkhondo wabalungileyo unjengokukhanya kokusa okuqhubeka ngokukhanya njalo kuze kube semini.
[19]Indlela yababi injengobumnyama; abazi ukuthi bakhubeka ngani.

[20] Filho meu, atenta para as minhas palavras; aos meus ensinamentos inclina os ouvidos.
[21] Não os deixes apartar-se dos teus olhos; guarda-os no mais íntimo do teu coração.

[22] Porque são vida para quem os acha e saúde, para o seu corpo.

[23] Sobre tudo o que se deve guardar, guarda o coração, porque dele procedem as fontes da vida.

[24] Desvia de ti a falsidade da boca e afasta de ti a perversidade dos lábios.

[25] Os teus olhos olhem direito, e as tuas pálpebras, diretamente diante de ti.

[26] Pondera a vereda de teus pés, e todos os teus caminhos sejam retos.

[27] Não declines nem para a direita nem para a esquerda; retira o teu pé do mal.

Provérbios 5

Advertência contra a lascívia

[1] Filho meu, atende a minha sabedoria; à minha inteligência inclina os ouvidos

[2] para que conserves a discrição, e os teus lábios guardem o conhecimento;
[3] porque os lábios da mulher adúltera destilam favos de mel, e as suas palavras são mais suaves do que o azeite;

[20]Ndodana yami, lalela amazwi ami, ubeke indlebe yakho kukho ukukhuluma kwami.
[21] Makungachezuki emehlweni akho, ukugcine phakathi kwenhliziyo yakho,
[22]ngokuba kungukuphila kwabakufumanayo nempilo yomzimba wonke wabo.
[23]Phezu kwakho konke okugcinayo, gcina inhliziyo yakho, ngokuba kuyilapho kuvela khona ukuphila.
[24]Susa kuwe ukuphambana komlomo, nezindebe eziyisigwegwe uzidedisele kude nawe.
[25]Amehlo akho mawabheke phambili, nezinkophe zakho maziqonde phambi kwakho.
[26] Yenza umkhondo wonyawo lwakho ukuba ulingane, ziqine zonke izindlela zakho.
[27] Ungaphambuki ngakwesokunene nangakwesokhohlo; chezukisa unyawo lwakho ebubini.

IzAga 5

Uthando olungcolileyo

[1]Ndodana yami, lalela ukuhlakanipha kwami, ubeke indlebe yakho ekuqondeni kwami
[2]ukuba ugcine amasu, nezindebe zakho zilonde ukwazi.
[3] Ngokuba izindebe zowesifazane ondindayo ziconsa izinyosi; umlomo wakhe ubushelezi kunamafutha.

[4] mas o fim dela é amargoso como o absinto, agudo, como a espada de dois gumes.

[5] Os seus pés descem à morte; os seus passos conduzem-na ao inferno.

[6] Ela não pondera a vereda da vida; anda errante nos seus caminhos e não o sabe.

[7] Agora, pois, filho, dá-me ouvidos e não te desvies das palavras da minha boca.

[8] Afasta o teu caminho da mulher adúltera e não te aproximes da porta da sua casa;

[9] para que não dês a outrem a tua honra, nem os teus anos, a cruéis;

[10] para que dos teus bens não se fartem os estranhos, e o fruto do teu trabalho não entre em casa alheia;

[11] e gemas no fim de tua vida, quando se consumirem a tua carne e o teu corpo,

[12] e digas: Como aborreci o ensino! E desprezou o meu coração a disciplina!

[13] E não escutei a voz dos que me ensinavam, nem a meus mestres inclinei os ouvidos!

[14] Quase que me achei em todo mal que sucedeu no meio da assembléia e da congregação.

[15] Bebe a água da tua própria cisterna e das correntes do teu poço.

[16] Derramar-se-iam por fora as tuas fontes, e, pelas praças, os ribeiros de águas?

[17] Sejam para ti somente e não para os estranhos contigo.

[4]Kepha ekugcineni umunyu njengomhlonyane, ubukhali njengenkemba enezinhlangothi ezimbili.

[5] Izinyawo zakhe ziyehlela ekufeni; izinyathelo zakhe zibambelela endaweni yabafileyo.

[6]Akanaki umkhondo wokuphila; imikhondo yakhe iyaguquguquka, engazi.

[7]Ngalokho, madodana ami, ngizweni, ningachezuki emazwini omlomo wami.

[8]Dedisela kude naye indlela yakho, ungasondeli emnyango wendlu yakhe,

[9]funa unike abanye udumo lwakho, naye ononya iminyaka yakho,

[10]funa abezizwe basuthe ngamandla akho, umshikashika wakho ube sendlini yomfokazi,

[11]uze ububule ekugcineni, lapho umzimba wakho nenyama yakho kuqediwe,

[12]ngokuthi: Yeka ukuzonda kwami ukulaywa nokudelela kwenhliziyo yami ukusolwa!

[13]Angilalelanga izwi labafundisi bami, angibekanga indlebe yami kubo abangifundisayo.

[14] Ngacishe ngaba sebubini bonke phakathi kwebandla nasemhlanganweni.

[15]Phuza amanzi emgodini wakho, amanzi agobhozayo emthonjeni wakho.

[16]Imithombo iyaphalala ngaphandle yini, nemifula yamanzi ezigcawini, na?

[17]Mayibe ngeyakho wena wedwa, ingabi ngeyabafokazi kanye nawe.

[18] Seja bendito o teu manancial, e alegra-te com a mulher da tua mocidade,

[19] corça de amores e gazela graciosa. Saciem-te os seus seios em todo o tempo; e embriaga-te sempre com as suas carícias.

[20] Por que, filho meu, andarias cego pela estranha e abraçarias o peito de outra?

[21] Porque os caminhos do homem estão perante os olhos do SENHOR, e ele considera todas as suas veredas.

[22] Quanto ao perverso, as suas iniqüidades o prenderão, e com as cordas do seu pecado será detido.

[23] Ele morrerá pela falta de disciplina, e, pela sua muita loucura, perdido, cambaleia.

Provérbios 6

Advertência contra o servir de fiador

[1] Filho meu, se ficaste por fiador do teu companheiro e se te empenhaste ao estranho,

[2] estás enredado com o que dizem os teus lábios, estás preso com as palavras da tua boca.

[3] Agora, pois, faze isto, filho meu, e livra-te, pois caíste nas mãos do teu companheiro: vai, prostra-te e importuna o teu companheiro;

[4] não dês sono aos teus olhos, nem repouso às tuas pálpebras;

[5] livra-te, como a gazela, da mão do caçador e, como a ave, da mão do passarinheiro.

[18] Mawubusiswe umthombo wakho, uthokoze ngomfazi wobusha bakho.

[19]Uyindluzelekazi ethandayo negogokazi elihle; amabele akhe mawakudelise ngesikhathi sonke, weqiwe njalo luthando lwakhe.

[20]Ubuyakweqelwani ngowesifazane ondindayo, ndodana yami, ugone isifuba somfokazi, na?

[21] Ngokuba izindlela zomuntu ziphambi kwamehlo kaNkulunkulu; uyenza yonke imikhondo yakhe ukuba ilingane.

[22] Omubi uyakubanjwa ngububi bakhe, abhajwe ngezintambo zezono zakhe.

[23]Uyakufa yena ngokuswela ukulaywa, nangobuningi bobuwula bakhe uyakuduka.

IzAga 6

Izindlela zobuwula

[1] Ndodana yami, uma uyisibambiso somakhelwane wakho, uma uxhawulene nomfokazi,

[2]ucushiwe ngamazwi omlomo wakho, ubanjiwe ngamazwi omlomo wakho,

[3]yenza lokhu phela, ndodana yami, uzophule, lokhu ungene esandleni somakhelwane wakho: khothama phambi kwakhe, umncengisise.

[4] Unganiki amehlo akho ubuthongo, nezinkophe zakho ukozela.

[5]Zophule njengensephe kumzingeli nanjengenyoni esandleni somthiyi wezinyoni.

Advertência contra a preguiça

[6] Vai ter com a formiga, ó preguiçoso, considera os seus caminhos e sê sábio.

[7] Não tendo ela chefe, nem oficial, nem comandante,

[8] no estio, prepara o seu pão, na sega, ajunta o seu mantimento.

[9] Ó preguiçoso, até quando ficarás deitado? Quando te levantarás do teu sono?

[10] Um pouco para dormir, um pouco para tosquenejar, um pouco para encruzar os braços em repouso,

[11] assim sobrevirá a tua pobreza como um ladrão, e a tua necessidade, como um homem armado.

Advertência contra a maldade

[12] O homem de Belial, o homem vil, é o que anda com a perversidade na boca,

[13] acena com os olhos, arranha com os pés e faz sinais com os dedos.

[14] No seu coração há perversidade; todo o tempo maquina o mal; anda semeando contendas.

[15] Pelo que a sua destruição virá repentinamente; subitamente, será quebrantado, sem que haja cura.

[16] Seis coisas o SENHOR aborrece, e a sétima a sua alma abomina:

[17] olhos altivos, língua mentirosa, mãos que derramam sangue inocente,

[18] coração que trama projetos iníquos, pés que se apressam a correr para o mal,

[6] Yana entuthwaneni, vilandini, ubone izindlela zayo, uhlakaniphe,

[7]yona ethi ingenamahluleli, nambonisi, nambusi,

[8] ilungisa nokho ehlobo isinkwa sayo, ibuthe ngesikhathi sokuvuna ukudla kwayo.

[9]Uyakulala kuze kube nini, vilandini? Uyakuvuka nini ebuthongweni bakho na?

[10] Ubuthongo obuncane, ukozela okuncane, ukusonga izandla kancane kuze kulalwe,

[11] bese kuthi ubumpofu bakho bufike njengomhambuma, nokuswela kwakho njengomuntu wesihlangu.

[12] Umuntu omubi, umuntu wokona, nguye ohamba nomlomo ophambeneyo,

[13] oqwayiza amehlo, eshudula ngezinyawo zakhe, ekhomba ngeminwe.

[14]Ubuphoxo busenhliziyweni yakhe; uceba okubi ngesikhathi sonke; ususa ukuxabana.

[15]Ngalokho ingozi yakhe iyakufika ngokuzumayo; ngokuphazima kweso uyakwaphulwa, kungabikho ukuphiliswa.

[16]Kukhona izinto eziyisithupha azizondayo uJehova, yebo, eziyisikhombisa eziyizinengiso emphefumulweni wakhe:

[17] amehlo azidlayo, nolimi lwamanga, nezandla ezichitha igazi elingenacala,

[18]nenhliziyo eceba imicabango emibi, nezinyawo ezishesha ukugijimela ebubini,

[19] testemunha falsa que profere mentiras e o que semeia contendas entre irmãos.

Advertência contra a mulher adúltera

[20] Filho meu, guarda o mandamento de teu pai e não deixes a instrução de tua mãe;

[21] ata-os perpetuamente ao teu coração, pendura-os ao pescoço.

[22] Quando caminhares, isso te guiará; quando te deitares, te guardará; quando acordares, falará contigo.

[23] Porque o mandamento é lâmpada, e a instrução, luz; e as repreensões da disciplina são o caminho da vida;

[24] para te guardarem da vil mulher e das lisonjas da mulher alheia.

[25] Não cobices no teu coração a sua formosura, nem te deixes prender com as suas olhadelas.

[26] Por uma prostituta o máximo que se paga é um pedaço de pão, mas a adúltera anda à caça de vida preciosa.

[27] Tomará alguém fogo no seio, sem que as suas vestes se incendeiem?

[28] Ou andará alguém sobre brasas, sem que se queimem os seus pés?

[29] Assim será com o que se chegar à mulher do seu próximo; não ficará sem castigo todo aquele que a tocar.

[30] Não é certo que se despreza o ladrão, quando furta para saciar-se, tendo fome?

[19]nofakazi wamanga ophafuza inkohliso, obanga ukuxabana phakathi kwabazalwane.

Izindlela zokuphinga

[20] Ndodana yami, gcina umyalo kayihlo, ungawushiyi umthetho kanyoko.

[21] Yibophe enhliziyweni yakho njalo, uyithekeleze entanyeni yakho.

[22] Mayikuhole ekuhambeni kwakho, ikulondoloze ekulaleni kwakho, ikhulume kuwe ekuvukeni kwakho.

[23] Ngokuba imiyalo iyisibani, nomthetho ungukukhanya, nokusola ngokulaya kuyindlela yokuphila,

[24] ukuze ugcinwe kowesifazane omubi, nasekuthopheni kolimi lowesifazane ondindayo.

[25]Ungakhanuki ubuhle bakhe enhliziyweni yakho, angakubambi ngezinkophe zakhe.

[26]Ngokuba intengo yowesifazane oyisiphingi iyiqebelengwane lesinkwa, kepha umfazi womuntu uzingela umphefumulo onqabileyo.

[27]Umuntu angaphatha umlilo esifubeni sakhe, izingubo zakhe zingashi, na?

[28]Umuntu angahamba phezu kwamalahle avuthayo, izinyawo zakhe zingahanguki, na?

[29]Unjalo yena ongena kumkamakhelwane: akuyikuthiwa ongenacala noma yimuphi omthintileyo.

[30]Abamdeleli yini oyisela ukuthi uyeba ukuba azisuthise lapho elambile na?

[31] Pois este, quando encontrado, pagará sete vezes tanto; entregará todos os bens de sua casa.
[32] O que adultera com uma mulher está fora de si; só mesmo quem quer arruinar-se é que pratica tal coisa.
[33] Achará açoites e infâmia, e o seu opróbrio nunca se apagará.
[34] Porque o ciúme excita o furor do marido; e não terá compaixão no dia da vingança.
[35] Não se contentará com o resgate, nem aceitará presentes, ainda que sejam muitos.

Provérbios 7

Mais advertências contra a mulher adúltera

[1] Filho meu, guarda as minhas palavras e conserva dentro de ti os meus mandamentos.
[2] Guarda os meus mandamentos e vive; e a minha lei, como a menina dos teus olhos.
[3] Ata-os aos dedos, escreve-os na tábua do teu coração.
[4] Dize à Sabedoria: Tu és minha irmã; e ao Entendimento chama teu parente;
[5] para te guardarem da mulher alheia, da estranha que lisonjeia com palavras.
[6] Porque da janela da minha casa, por minhas grades, olhando eu,
[7] vi entre os simples, descobri entre os jovens um que era carecente de juízo,

[31] Uma efunyanwa, uyakubuyisa kasikhombisa, anikeze yonke impahla yendlu yakhe.
[32]Ophinga nowesifazane akanakho ukuqonda; wenza lokho okuchitha umphefumulo wakhe.
[33]Uyakuthola imivimbo nehlazo, nenhlamba yakhe ayiyikwesulwa.
[34]Ngokuba isikhwele sendoda singukufutheka; ayiyikuyeka ngosuku lokuphindisela.
[35]Ayiyikunaka neze ihlawulo; ayaneliswa, noma uphana ngezipho eziningi.

IzAga 7

[1]Ndodana yami, gcina amazwi ami, uzibekelele imiyalo yami.
[2]Gcina imiyalo yami, uphile, nomthetho wami njengenhlamvu yeso lakho.
[3] Yibophe eminweni yakho, uyilobe esibhebheni senhliziyo yakho.
[4]Yisho kukho ukuhlakanipha: Ungudadewethu, ubize ukuqonda ngokuthi owazana nawe,
[5] ukuze bakugcine kowesifazane ondindayo, kumfokazi owenza bushelezi amazwi akhe.
[6]Ngokuba efasiteleni lendlu yami ngalunguza eheleni lami,
[7]ngabheka phakathi kwabangenalwazi, ngabona phakathi kwabasha insizwa engenakuqonda,

[8] que ia e vinha pela rua junto à esquina da mulher estranha e seguia o caminho da sua casa,

[9] à tarde do dia, no crepúsculo, na escuridão da noite, nas trevas.

[10] Eis que a mulher lhe sai ao encontro, com vestes de prostituta e astuta de coração.

[11] É apaixonada e inquieta, cujos pés não param em casa;

[12] ora está nas ruas, ora, nas praças, espreitando por todos os cantos.

[13] Aproximou-se dele, e o beijou, e de cara impudente lhe diz:

[14] Sacrifícios pacíficos tinha eu de oferecer; paguei hoje os meus votos.

[15] Por isso, saí ao teu encontro, a buscar-te, e te achei.

[16] Já cobri de colchas a minha cama, de linho fino do Egito, de várias cores;

[17] já perfumei o meu leito com mirra, aloés e cinamomo.

[18] Vem, embriaguemo-nos com as delícias do amor, até pela manhã; gozemos amores.

[19] Porque o meu marido não está em casa, saiu de viagem para longe.

[20] Levou consigo um saquitel de dinheiro; só por volta da lua cheia ele tornará para casa.

[8]edlula esitaladini eduze negumbi lakhe. iya endleleni yendlu yakhe,

[9] sekuhwelela kusihlwa, esigayegayeni sobusuku nobumnyama.

[10]Bheka, isihlangabezwa ngowesifazane; izingubo zakhe zingezesifebe, enobuqili enhliziyweni.

[11] Uyanyakaza engenakuthula; izinyawo zakhe azihlali endlini yakhe;

[12]manje usemigwaqweni, nangu usezigcawini, uqamekela emagumbini onke.

[13]Useyayibamba, uyayanga; uthwala amehlo, uthi kuyo:

[14] Imihlatshelo yeminikelo yokuthula yayingifanele; namuhla sengigcwalisile izithembiso zami.

[15]Ngalokho ngiphumile ukukuhlangabeza ukuba ngifunisise ubuso bakho; sengikutholile.

[16]Ngendlele umbhede wami ngezindwangu zokumboza, nelineni elinemishwe laseGibithe.

[17]Ngifafazile umbhede wami ngemure, nangomhlaba, nangokinamona.

[18]Woza sizanelise ngothando kuze kuse, sijabule ngokuthandana.

[19]Ngokuba indoda yami ayikho ekhaya; ihambile uhambo olude;

[20]yaphatha isikhwama semali ngesandla sayo; iyakubuyela ekhaya ngosuku lokuhlangana kwenyanga.

[21] Seduziu-o com as suas muitas palavras, com as lisonjas dos seus lábios o arrastou.

[22] E ele num instante a segue, como o boi que vai ao matadouro; como o cervo que corre para a rede,

[23] até que a flecha lhe atravesse o coração; como a ave que se apressa para o laço, sem saber que isto lhe custará a vida.

[24] Agora, pois, filho, dá-me ouvidos e sê atento às palavras da minha boca;

[25] não se desvie o teu coração para os caminhos dela, e não andes perdido nas suas veredas;

[26] porque a muitos feriu e derribou; e são muitos os que por ela foram mortos.

[27] A sua casa é caminho para a sepultura e desce para as câmaras da morte.

Provérbios 8

A excelência da Sabedoria

[1] Não clama, porventura, a Sabedoria, e o Entendimento não faz ouvir a sua voz?

[2] No cimo das alturas, junto ao caminho, nas encruzilhadas das veredas ela se coloca;

[3] junto às portas, à entrada da cidade, à entrada das portas está gritando:

[4] A vós outros, ó homens, clamo; e a minha voz se dirige aos filhos dos homens.

[5] Entendei, ó simples, a prudência; e vós, néscios, entendei a sabedoria.

[21]Uyamphambukisa ngamazwi akhe amaningi amahle; ngokuthopha kwezindebe zakhe uyamyenga.

[22]Uyamlandela masinyane njengenkabi iya ekuhlatshweni nanjengamaketanga ehlela isiboshwa esiyisiwula,

[23] umcibisholo uze uhlabe isibindi sakhe njengenyoni isheshela ogibeni, ingazi ukuthi lubekelwe ukuphila kwayo.

[24]Ngalokho, bantwana, ngizweni, nilalele amazwi omlomo wami.

[25]Inhliziyo yakho mayingaphambukeli ezindleleni zakhe, ungahambi emikhondweni yakhe.

[26]Ngokuba uwisile phansi abaningi abalimeleyo; ababuleweyo bakhe bayisixuku esikhulu.

[27] Indlu yakhe iyindlela eya endawemi yabafileyo, yehlela emakamelweni okufa.

IzAga 8

Ukumemeza kokuhlakanipha

[1]Ukuhlakanipha akumemezi yini, nokuqonda akukhiphi izwi lakho na?

[2]Kumi esiqongweni sezindawo eziphakemeyo, ngasendleleni phakathi kwemikhondo.

[3]Ngaseceleni kwamasango, ngasekungeneni komuzi, lapho kungenwa ngeminyango, kuyamemeza ngokuthi:

[4] Ngiyanibiza nina madoda; izwi lami likumadodana abantu.

[5]Qondani ukuhlakanipha nina eningenalwazi; nani ziwula, manibe nenhliziyo eqondileyo.

[6] Ouvi, pois falarei coisas excelentes; os meus lábios proferirão coisas retas.

[7] Porque a minha boca proclamará a verdade; os meus lábios abominam a impiedade.

[8] São justas todas as palavras da minha boca; não há nelas nenhuma coisa torta, nem perversa.

[9] Todas são retas para quem as entende e justas, para os que acham o conhecimento.

[10] Aceitai o meu ensino, e não a prata, e o conhecimento, antes do que o ouro escolhido.

[11] Porque melhor é a sabedoria do que jóias, e de tudo o que se deseja nada se pode comparar com ela.

[12] Eu, a Sabedoria, habito com a prudência e disponho de conhecimentos e de conselhos.

[13] O temor do SENHOR consiste em aborrecer o mal; a soberba, a arrogância, o mau caminho e a boca perversa, eu os aborreço.

[14] Meu é o conselho e a verdadeira sabedoria, eu sou o Entendimento, minha é a fortaleza.

[15] Por meu intermédio, reinam os reis, e os príncipes decretam justiça.

[16] Por meu intermédio, governam os príncipes, os nobres e todos os juízes da terra.

[17] Eu amo os que me amam; os que me procuram me acham.

[6]Zwanini, ngokuba ngiyakulanda okukhulu; ukukhamisa kwezindebe zami kuyakuba ngokulungileyo.

[7]Ngokuba umlomo wami uyakukhuluma iqiniso; ububi buyisinengiso ezindebeni zami.

[8] Onke amazwi omlomo wami asekulungeni; akukho okuyisigwegwe nokuphambeneyo kuwo.

[9]Aqondile onke koqondayo; alungile kothola ukwazi.

[10] Yamukelani ukufundisa kwami kunesiliva, nokwazi kunegolide elikhethekileyo.

[11]Ngokuba ukuhlakanipha kuhle kunamarubi, nakho konke okungafiswa akunakulinganiswa nakho.

[12]Mina kuhlakanipha ngakhile ekuqondeni, ngithola ukwazi namasu.

[13]Ukumesaba uJehova kungukuzonda okubi; ukuzidla, nokuzikhukhumeza, nendlela embi, nomlomo wobuphoxo, ngiyakuzonda.

[14]Kimina kukhona ukululeka nempumelelo; ngingukuqonda, nginamandla.

[15]Amakhosi abusa ngami, nababusi bamisa ukulunga.

[16]Izikhulu zibusa ngami, namakhosana, bonke abahluleli bomhlaba.

[17]Ngiyathanda abangithandayo; abangifunayo bayakungifumana.

[18] Riquezas e honra estão comigo, bens duráveis e justiça.
[19] Melhor é o meu fruto do que o ouro, do que o ouro refinado; e o meu rendimento, melhor do que a prata escolhida.
[20] Ando pelo caminho da justiça, no meio das veredas do juízo,

[21] para dotar de bens os que me amam e lhes encher os tesouros.

A eternidade da Sabedoria

[22] O SENHOR me possuía no início de sua obra, antes de suas obras mais antigas.

[23] Desde a eternidade fui estabelecida, desde o princípio, antes do começo da terra.
[24] Antes de haver abismos, eu nasci, e antes ainda de haver fontes carregadas de águas.
[25] Antes que os montes fossem firmados, antes de haver outeiros, eu nasci.
[26] Ainda ele não tinha feito a terra, nem as amplidões, nem sequer o princípio do pó do mundo.
[27] Quando ele preparava os céus, aí estava eu; quando traçava o horizonte sobre a face do abismo;

[28] quando firmava as nuvens de cima; quando estabelecia as fontes do abismo;

[29] quando fixava ao mar o seu limite, para que as águas não traspassassem os seus limites; quando compunha os fundamentos da terra;

[18] Ingcebo nodumo kukimi, ukunotha okumiyo nokulunga.
[19]Isithelo sami sihle kunegolide, kunegolide elicwengekileyo, nenzuzo yami kunesiliva elikhethekileyo.
[20]Ngiyahamba endleleni yokulunga, phakathi kwemikhondo yokwahlulela,
[21]ukuze ngenze abangithandayo badle ifa lemfuyo, ngigcwalise izindlu zabo zengcebo.

[22] UJehova wangidala ngingukuqala kwendlela yakhe ngaphambi kwemisebenzi yamandulo.

[23]Ngamiswa kwaphakade kwasekuqaleni, umhlaba ungakabikho.

[24]Lungakabikho utwa ngazalwa, ingakabikho imithombo egcwele amanzi.
[25]Zingakasekelwa izintaba, namagquma engakabikho, ngazalwa,

[26]engakawenzi umhlaba namasimu, nokuqala kothuli lwezwe.

[27]Ekulungiseni kwakhe izulu ngangikhona, nasekudwebeni kwakhe umkhathi ebusweni botwa.
[28]Lapho enza ukuba isibhakabhaka phezulu siqine, nemithombo yotwa iphuphume ngamandla,

[29] lapho emisela ulwandle umncele, ukuze amanzi angeqi izwi lakhe, nalapho emisa izisekelo zomhlaba,

[30] então, eu estava com ele e era seu arquiteto, dia após dia, eu era as suas delícias, folgando perante ele em todo o tempo;
[31] regozijando-me no seu mundo habitável e achando as minhas delícias com os filhos dos homens.
[32] Agora, pois, filhos, ouvi-me, porque felizes serão os que guardarem os meus caminhos.
[33] Ouvi o ensino, sede sábios e não o rejeiteis.
[34] Feliz o homem que me dá ouvidos, velando dia a dia às minhas portas, esperando às ombreiras da minha entrada.
[35] Porque o que me acha acha a vida e alcança favor do SENHOR.
[36] Mas o que peca contra mim violenta a própria alma. Todos os que me aborrecem amam a morte.

Provérbios 9

O banquete da Sabedoria

[1] A Sabedoria edificou a sua casa, lavrou as suas sete colunas.
[2] Carneou os seus animais, misturou o seu vinho e arrumou a sua mesa.
[3] Já deu ordens às suas criadas e, assim, convida desde as alturas da cidade:
[4] Quem é simples, volte-se para aqui. Aos faltos de senso diz:
[5] Vinde, comei do meu pão e bebei do vinho que misturei.
[6] Deixai os insensatos e vivei; andai pelo caminho do entendimento.

[30]khona nganginaye ngiyingcweti yomsebenzi, ngiyintokozo yakhe imihla ngemihla, ngijabula phambi kwakhe isikhathi sonke,
[31]ngijabula ezweni lomhlaba wakhe, intokozo yami ikanye namadodana abantu.
[32] Ngalokho, bantwana, ngizweni, ngokuba babusisiwe abagcina izindlela zami.
[33]Yizwani ukulaya, nihlakaniphe, ningakwenqabi.
[34]Ubusisiwe umuntu ongizwayo, elinda imihla ngemihla ngasemasangweni ami, ehlala ngasezinsikeni zeminyango yami.
[35] Ngokuba ongifumanayo, ufumana ukuphila, azuze umusa kuJehova.
[36]Ongangifumani uyona umphefumulo wakhe; bonke abangizondayo bathanda ukufa.

IzAga 9

Ukuhlakanipha nobuwula

[1]Ukuhlakanipha kwakhile indlu yakho; kuzibazile izinsika zakho eziyisikhombisa.
[2]Kuhlabile umhlatshelo, kuvubele iwayini lakho; futhi kulungisile itafula lakho.
[3]Kuthumile izintombi zakho, kuyamema emagqumeni aphakemeyo omuzi, kuthi:
[4] Ongenalwazi makaphambukele lapha, kongenangqondo kuthi:
[5] Wozani nidle isinkwa sami, niliphuze iwayini engilivubeleyo.
[6]Yekani ubuwula, niphile, nihambe ngendlela yokuqonda.

[7] O que repreende o escarnecedor traz afronta sobre si; e o que censura o perverso a si mesmo se injuria.
[8] Não repreendas o escarnecedor, para que te não aborreça; repreende o sábio, e ele te amará.
[9] Dá instrução ao sábio, e ele se fará mais sábio ainda; ensina ao justo, e ele crescerá em prudência.
[10] O temor do SENHOR é o princípio da sabedoria, e o conhecimento do Santo é prudência.

[11] Porque por mim se multiplicam os teus dias, e anos de vida se te acrescentarão.

[12] Se és sábio, para ti mesmo o és; se és escarnecedor, tu só o suportarás.

O convite da mulher-loucura

[13] A loucura é mulher apaixonada, é ignorante e não sabe coisa alguma.

[14] Assenta-se à porta de sua casa, nas alturas da cidade, toma uma cadeira,

[15] para dizer aos que passam e seguem direito o seu caminho:
[16] Quem é simples, volte-se para aqui. E aos faltos de senso diz:
[17] As águas roubadas são doces, e o pão comido às ocultas é agradável.
[18] Eles, porém, não sabem que ali estão os mortos, que os seus convidados estão nas profundezas do inferno.

Provérbios 10

O justo em contraste com o perverso

[7] Osola isideleli uzithathela inhlamba; othethisa omubi uzitholela isisihla.

[8] Ungathethisi isideleli, funa sikuzonde; thethisa isihlakaniphi, siyakukuthanda.
[9] Siphe isihlakaniphi, siyakwanda ngokuhlakanipha; fundisa olungileyo, uyakwenezela emfundweni.
[10] Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi oNgcwele kungukuqonda.
[11] Ngokuba ngami izinsuku zakho ziyakuba ziningi, neminyaka yokuphila kwakho iyakwenezelwa kuwe.
[12]Uma uhlakaniphile, uzihlakaniphele; uma udelela, uyakukuthwala wena wedwa.

[13]Ubuwula bungowesifazane oyisithutha onomsindo, ongazi lutho.
[14]Uhlezi ngasemnyango wendlu yakhe esihlalweni ezindaweni eziphakemeyo zomuzi
[15]ukuba ameme abadlula endleleni, abaqonda emikhondweni yabo, ngokuthi:
[16] Ongenalwazi makaphambukele lapha, kongenangqondo uthi:
[17] Amanzi ebiweyo amnandi, nesinkwa sentukuso singesenamisayo.
[18] Kepha akazi ukuthi kuyizithunzi ezilapho nokuthi izimenywa zakhe zisezigodini zendawo yabafileyo.

IzAga 10

Indlela yokulunga nendlela yobubi

[1] Provérbios de Salomão. O filho sábio alegra a seu pai, mas o filho insensato é a tristeza de sua mãe.
[2] Os tesouros da impiedade de nada aproveitam, mas a justiça livra da morte.

[3] O SENHOR não deixa ter fome o justo, mas rechaça a avidez dos perversos.

[4] O que trabalha com mão remissa empobrece, mas a mão dos diligentes vem a enriquecer-se.

[5] O que ajunta no verão é filho sábio, mas o que dorme na sega é filho que envergonha.

[6] Sobre a cabeça do justo há bênçãos, mas na boca dos perversos mora a violência.

[7] A memória do justo é abençoada, mas o nome dos perversos cai em podridão.
[8] O sábio de coração aceita os mandamentos, mas o insensato de lábios vem a arruinar-se.
[9] Quem anda em integridade anda seguro, mas o que perverte os seus caminhos será conhecido.
[10] O que acena com os olhos traz desgosto, e o insensato de lábios vem a arruinar-se.
[11] A boca do justo é manancial de vida, mas na boca dos perversos mora a violência.
[12] O ódio excita contendas, mas o amor cobre todas as transgressões.

[1] Nazi izaga zikaSolomoni: Indodana ehlakaniphileyo ithokozisa uyise, kepha indodana eyisiwula ilusizi kunina.
[2] Ingcebo yobubi ayisizi lutho, kepha ukulunga kophula ekufeni.
[3]UJehova akavumi ukuba olungileyo alambe, kepha isifiso somubi uyasihlohloloza.

[4] Isandla esinobudenge siveza ubumpofu, kepha isandla sokukhuthala siyacebisa.

[5] Obutha ehlobo uyindodana ehlakaniphileyo; olele ubuthongo ngesikhathi sokuvuna uyindodana ehlazisayo.
[6] Izibusiso zisekhanda lolungileyo, kepha umlomo wababi uyafihla ubudlwangudlwangu.
[7] Ukukhunjulwa kolungileyo kubusisekile, kepha igama lababi liyabola.
[8]Ohlakaniphile ngenhliziyo uyakwamukela imiyalo, kepha isiwula esiphoshozayo siyakuwiswa.
[9]Ohamba ngobuqotho uhamba ngokulondeka, kepha ohlanekezela izindlela zakhe uyakwaziwa.
[10] Oqwayiza iso ubanga usizi, kepha osola ubuso nobuso uveza ukuthula.
[11] Umlomo wolungileyo ungumthombo wokuphila, kepha umlomo wababi ufihla ubudlwangudlwangu.
[12] Inzondo iyabanga ukuxabana, kepha uthando luyasibekela iziphambeko zonke.

[13] Nos lábios do prudente, se acha sabedoria, mas a vara é para as costas do falto de senso.
[14] Os sábios entesouram o conhecimento, mas a boca do néscio é uma ruína iminente.
[15] Os bens do rico são a sua cidade forte; a pobreza dos pobres é a sua ruína.
[16] A obra do justo conduz à vida, e o rendimento do perverso, ao pecado.
[17] O caminho para a vida é de quem guarda o ensino, mas o que abandona a repreensão anda errado.
[18] O que retém o ódio é de lábios falsos, e o que difama é insensato.
[19] No muito falar não falta transgressão, mas o que modera os lábios é prudente.
[20] Prata escolhida é a língua do justo, mas o coração dos perversos vale mui pouco.
[21] Os lábios do justo apascentam a muitos, mas, por falta de senso, morrem os tolos.
[22] A bênção do SENHOR enriquece, e, com ela, ele não traz desgosto.
[23] Para o insensato, praticar a maldade é divertimento; para o homem inteligente, o ser sábio.
[24] Aquilo que teme o perverso, isso lhe sobrevém, mas o anelo dos justos Deus o cumpre.

[13] Ezindebeni zoqondileyo kufunyanwa ukuhlakanipha, kepha uswazi lungolomhlane wongenangqondo.
[14] Abahlakaniphileyo bayabekelela ukwazi, kepha umlomo wesiwula uyincithakalo eseduze.
[15] Imfuyo yesicebi ingumuzi waso onamandla; incithakalo yabampofu ingubumpofu babo.
[16] Umsebenzi wolungileyo ungowokuphila; inzuzo yababi ingeyokona.
[17] Onaka ukulaywa usendleleni yokuphila, kepha owenqaba ukusolwa uyaduka.
[18]Ofihla inzondo unezindebe zamanga; ophumisa inhlebo uyisiwula.
[19]Lapho amazwi emaningi khona, akuphuthi ukuphambeka; obamba umlomo wakhe uhlakaniphile.
[20]Ulimi lolungileyo luyisiliva elikhethekileyo; ingqondo yababi iyinto encane.
[21]Izindebe zolungileyo ziyondla abaningi, kepha iziwula ziyafa ngokuswela ingqondo.
[22] Isibusiso sikaJehova siyacebisa; akenezeli usizi kuso.
[23] Ukwenza okubi kunjengokudlala kuso isiwula; kunjalo ukuhlakanipha kumuntu onengqondo.
[24]Akwesabayo omubi kuyamehlela, nabakufisayo abalungileyo bayakuphiwa.

[25] Como passa a tempestade, assim desaparece o perverso, mas o justo tem perpétuo fundamento.
[26] Como vinagre para os dentes e fumaça para os olhos, assim é o preguiçoso para aqueles que o mandam.
[27] O temor do SENHOR prolonga os dias da vida, mas os anos dos perversos serão abreviados.

[28] A esperança dos justos é alegria, mas a expectação dos perversos perecerá.

[29] O caminho do SENHOR é fortaleza para os íntegros, mas ruína aos que praticam a iniqüidade.

[30] O justo jamais será abalado, mas os perversos não habitarão a terra.

[31] A boca do justo produz sabedoria, mas a língua da perversidade será desarraigada.
[32] Os lábios do justo sabem o que agrada, mas a boca dos perversos, somente o mal.

Provérbios 11

[1] Balança enganosa é abominação para o SENHOR, mas o peso justo é o seu prazer.

[2] Em vindo a soberba, sobrevém a desonra, mas com os humildes está a sabedoria.

[3] A integridade dos retos os guia; mas, aos pérfidos, a sua mesma falsidade os destrói.

[4] As riquezas de nada aproveitam no dia da ira, mas a justiça livra da morte.

[25] Lapho sidlula isivunguvungu, akasekho omubi, kepha olungileyo uyisisekelo esingunaphakade.
[26]Njengoviniga emazinyweni nomusi emehlweni, linjalo ivila kwabalithumileyo.
[27] Ukumesaba uJehova kuyandisa izinsuku, kepha iminyaka yababi iyancishiswa.
[28] Ithemba labalungileyo liyakuba yintokozo, kepha abakwethembayo ababi kuyakubhubha.

[29]Indlela kaJehova iyinqaba kopheleleyo, kepha incithakalo ikubenzi bokona.

[30] Olungileyo akayikunyakaziswa kuze kube phakade, kepha ababi abayikuhlala ezweni.
[31] Umlomo wolungileyo uyathela ukuhlakanipha, kepha ulimi oluphambeneyo luyakunqunywa.
[32]Izindebe zolungileyo ziyakwazi okuhle, kepha umlomo wababi okuphambeneyo.

IzAga 11

[1] Isilinganiso esikhohlisayo siyisinengiso kuJehova, kepha isisindo esiyiso siyintokozo yakhe.
[2] Lapho kufika ukuziqhenya, kufika nehlazo; kepha kwabathobekileyo kukhona ukuhlakanipha.
[3]Ukuphelela kwabaqotho kuyabahola, kepha ukuphambanisa kwabambuluzayo kuyabachitha.
[4] Ingcebo ayisizi ngosuku lolaka, kepha ukulunga kophula ekufeni.

5 A justiça do íntegro endireita o seu caminho, mas pela sua impiedade cai o perverso.

6 A justiça dos retos os livrará, mas na sua maldade os pérfidos serão apanhados.

7 Morrendo o homem perverso, morre a sua esperança, e a expectação da iniqüidade se desvanece.

8 O justo é libertado da angústia, e o perverso a recebe em seu lugar.

9 O ímpio, com a boca, destrói o próximo, mas os justos são libertados pelo conhecimento.

10 No bem-estar dos justos exulta a cidade, e, perecendo os perversos, há júbilo.

11 Pela bênção que os retos suscitam, a cidade se exalta, mas pela boca dos perversos é derribada.

12 O que despreza o próximo é falto de senso, mas o homem prudente, este se cala.

13 O mexeriqueiro descobre o segredo, mas o fiel de espírito o encobre.

14 Não havendo sábia direção, cai o povo, mas na multidão de conselheiros há segurança.

15 Quem fica por fiador de outrem sofrerá males, mas o que foge de o ser estará seguro.

16 A mulher graciosa alcança honra, como os poderosos adquirem riqueza.

5 Ukulunga kopheleleyo kuqondisa indlela yakhe, kepha omubi uyakuwa ngobubi bakhe.

6 Ukulunga kwabaqotho kuyabophula, kepha abambuluzayo babanjwa ezifisweni zabo.

7 Akwethembayo umuntu omubi kuyaphela ekufeni kwakhe, nethemba lobubi liyabhubha.

8 Olungileyo uyakhululwa osizini, kepha omubi ungena esikhundleni sakhe.

9 Ngomlomo umuntu ongenaNkulunkulu ubulala umakhelwane wakhe, kepha abalungileyo bayakhululwa ngokwazi.

10 Nxa abalungileyo behlezi kahle, umuzi uyathokoza; lapho bebhubha, kukhona ukwenanela.

11 Ngesibusiso sabaqotho umuzi uyaphakanyiswa, kepha ngomlomo wababi uyachithwa.

12 Odelela umakhelwane wakhe akanakuhlakanipha, kepha umuntu onengqondo uyazithulela.

13 Ohamba encetheza uyambula izimfihlakalo, kepha othembekile emoyeni uyayisibekela indaba.

14 Lapho kungekho iziluleko, abantu bayawa, kepha lapho kukhona abeluleki abaningi, lapho kukhona ukuphumelela.

15 Uyahlupheka nokuhlupheka omela umfokazi, kepha ozonda ukunika isibambiso ulondekile.

16 Owesifazane onomusa uzuza udumo, nezidlwangudlwangu zizuza ingcebo.

[17] O homem bondoso faz bem a si mesmo, mas o cruel a si mesmo se fere.

[18] O perverso recebe um salário ilusório, mas o que semeia justiça terá recompensa verdadeira.

[19] Tão certo como a justiça conduz para a vida, assim o que segue o mal, para a sua morte o faz.

[20] Abomináveis para o SENHOR são os perversos de coração, mas os que andam em integridade são o seu prazer.

[21] O mau, é evidente, não ficará sem castigo, mas a geração dos justos é livre.

[22] Como jóia de ouro em focinho de porco, assim é a mulher formosa que não tem discrição.

[23] O desejo dos justos tende somente para o bem, mas a expectação dos perversos redunda em ira.

[24] A quem dá liberalmente, ainda se lhe acrescenta mais e mais; ao que retém mais do que é justo, ser-lhe-á em pura perda.

[25] A alma generosa prosperará, e quem dá a beber será dessedentado.

[26] Ao que retém o trigo, o povo o amaldiçoa, mas bênção haverá sobre a cabeça do seu vendedor.

[27] Quem procura o bem alcança favor, mas ao que corre atrás do mal, este lhe sobrevirá.

[17]Umuntu onesihawu wenzela okuhle umphefumulo wakhe, kepha ononya uhlupha inyama yakhe.

[18] Omubi uthola inzuzo yenkohliso, kepha ohlwanyela ukulunga unomvuzo oqinisekileyo.

[19]Oqinile ekulungeni uyakuphila, kepha olandela okubi, kuyakuba ngukufa kwakhe.

[20] Abanhliziyo ephambeneyo bayisinengiso kuJehova, kepha abapheleleyo endleleni yabo bayintokozo kuye.

[21] Impela omubi akayekwa, kepha inzalo yabalungileyo iyakhululwa.

[22]Njengendandatho yegolide empumulweni yengulube, unjalo owesifazane omuhle ongenangqondo.

[23] Isifiso sabalungileyo singokuhle kuphela; ithemba lababi lilulaka.

[24] Ukhona ohlakazayo; nokho uyenezelwa kakhulu; kepha ogodla kunokufaneleyo ubangelwa ukuswela kuphela.

[25]Umphefumulo ophanayo uyakukhuluphaliswa; ophuzisayo uyakuphuziswa naye.

[26]Ogodla amabele, abantu bayamqalekisa, kepha isibusiso siyakuba sekhanda lothengisa ngawo.

[27]Ofuna okuhle ufuna okwamukelekayo, kepha ofuna okubi, kuyakumehlela.

[28] Quem confia nas suas riquezas cairá, mas os justos reverdecerão como a folhagem.

[29] O que perturba a sua casa herda o vento, e o insensato é servo do sábio de coração.

[30] O fruto do justo é árvore de vida, e o que ganha almas é sábio.

[31] Se o justo é punido na terra, quanto mais o perverso e o pecador!

[28] Owethemba ingcebo yakhe uyakuwa, kepha abalungileyo bayakuhluma njengamaqabunga aluhlaza.

[29]Okhathaza indlu yakhe uyakudla ifa lomoya, nesiwula siyakuba yinceku yonenhliziyo ehlakaniphileyo.

[30] Isithelo solungileyo singumuthi wokuphila, nohlakaniphileyo uyazuza imiphefumulo.

[31] Bheka, olungileyo uyavuzwa emhlabeni; kakhulu kangakanani omubi nesoni.

Provérbios 12

[1] Quem ama a disciplina ama o conhecimento, mas o que aborrece a repreensão é estúpido.

[2] O homem de bem alcança o favor do SENHOR, mas ao homem de perversos desígnios, ele o condena.

[3] O homem não se estabelece pela perversidade, mas a raiz dos justos não será removida.

[4] A mulher virtuosa é a coroa do seu marido, mas a que procede vergonhosamente é como podridão nos seus ossos.

[5] Os pensamentos do justo são retos, mas os conselhos do perverso, engano.

[6] As palavras dos perversos são emboscadas para derramar sangue, mas a boca dos retos livra homens.

[7] Os perversos serão derribados e já não são, mas a casa dos justos permanecerá.

IzAga 12

[1] Othanda ukulaywa uthanda ukwazi; ozonda ukusolwa uyisiwula.

[2]Omuhle uthola umusa kuJehova, kepha umuntu wamacebo uyamlahla.

[3]Umuntu akanakuma ngobubi, kepha impande yabalungileyo ayiyikunyakaziswa.

[4] Owesifazane okhutheleyo ungumqhele kuyo indoda yakhe, kepha ohlazisayo unjengokubola kwamathambo ayo.

[5]Imicabango yabalungileyo ingeyokwahlulela, kepha iziluleko zababi ziyinkohliso.

[6]Amazwi ababi aqamekela igazi, kepha umlomo wabaqotho uyabophula.

[7] Ababi bayachithwa, bangabikho, kepha indlu yabalungileyo iyakuma.

[8] Segundo o seu entendimento, será louvado o homem, mas o perverso de coração será desprezado.

[9] Melhor é o que se estima em pouco e faz o seu trabalho do que o vanglorioso que tem falta de pão.

[10] O justo atenta para a vida dos seus animais, mas o coração dos perversos é cruel.

[11] O que lavra a sua terra será farto de pão, mas o que corre atrás de coisas vãs é falto de senso.

[12] O perverso quer viver do que caçam os maus, mas a raiz dos justos produz o seu fruto.

[13] Pela transgressão dos lábios o mau se enlaça, mas o justo sairá da angústia.

[14] Cada um se farta de bem pelo fruto da sua boca, e o que as mãos do homem fizerem ser-lhe-á retribuído.

[15] O caminho do insensato aos seus próprios olhos parece reto, mas o sábio dá ouvidos aos conselhos.

[16] A ira do insensato num instante se conhece, mas o prudente oculta a afronta.

[17] O que diz a verdade manifesta a justiça, mas a testemunha falsa, a fraude.

[18] Alguém há cuja tagarelice é como pontas de espada, mas a língua dos sábios é medicina.

[8]Umuntu uyadunyiswa ngokokuhlakanipha kwakhe, kepha ophambene ngenhliziyo uyadelelwa.

[9]Odelelwayo eyinceku udlula ozidumisayo eswele ukudla.

[10]Olungileyo uyakunaka ukuphila kwesilwane sakhe, kepha isihhe sababi silunya.

[11] Olima insimu yakhe uyakusutha ngokudla, kepha olandela amayiyane akanangqondo.

[12]Ishinga lifisa impango yababi, kepha impande yabalungileyo iyathela.

[13] Ngokuphambeka kwezindebe kukhona ugibe lomubi, kepha olungileyo uyaphuma ekuhluphekeni.

[14] Umuntu uyasutha ngokuhle ngesithelo somlomo wakhe, nemisebenzi yezandla zomuntu iyabuyela kuye.

[15]Indlela yesiwula ilungile emehlweni aso, kepha ohlakaniphileyo ulalela iziluleko.

[16]Ukukhathazeka kwesiwula kuyaziwa ngosuku, kepha oqondileyo uyasibekela ihlazo.

[17] Ophefumula iqiniso ulanda ngokulunga, kepha ufakazi wamanga ngenkohliso.

[18]Bakhona abaphahluka njengokuhlaba kwenkemba, kepha izilimi zabahlakaniphileyo ziyimpiliso.

[19] O lábio veraz permanece para sempre, mas a língua mentirosa, apenas um momento.

[20] Há fraude no coração dos que maquinam mal, mas alegria têm os que aconselham a paz.

[21] Nenhum agravo sobrevirá ao justo, mas os perversos, o mal os apanhará em cheio.

[22] Os lábios mentirosos são abomináveis ao SENHOR, mas os que agem fielmente são o seu prazer.

[23] O homem prudente oculta o conhecimento, mas o coração dos insensatos proclama a estultícia.

[24] A mão diligente dominará, mas a remissa será sujeita a trabalhos forçados.

[25] A ansiedade no coração do homem o abate, mas a boa palavra o alegra.

[26] O justo serve de guia para o seu companheiro, mas o caminho dos perversos os faz errar.

[27] O preguiçoso não assará a sua caça, mas o bem precioso do homem é ser ele diligente.

[28] Na vereda da justiça, está a vida, e no caminho da sua carreira não há morte.

Provérbios 13

[1] O filho sábio ouve a instrução do pai, mas o escarnecedor não atende à repreensão.

[19]Indebe yeqiniso iyakuma kuze kube phakade, kepha ulimi lwamanga lungolomzuzwana nje.

[20]Inkohliso isezinhliziyweni zabaceba okubi, kepha abaluleka ukuthula, kubona kukhona intokozo.

[21] Olungileyo akayikwehlelwa nangokukodwa okubi, kepha ababi bayakugcwala ububi.

[22] Izindebe zamanga ziyisinengiso kuJehova, kepha abenza iqiniso bayintokozo yakhe.

[23] Umuntu oqondileyo uyafihla ukwazi, kepha izinhliziyo zeziwula zimemeza ubuwula.

[24] Isandla sabakhutheleyo siyakubusa, kepha izidenge ziyakuphoqelwa umsebenzi.

[25]Ukukhathazeka enhliziyweni yomuntu kuyayithobisa, kepha izwi elihle liyayithokozisa.

[26]Olungileyo ungumholi womakhelwane wakhe, kepha indlela yababi iyabadukisa.

[17] Beka indlebe yakho, uzwe amazwi ezihlakaniphi, ubeke ukufundisa kwami enhliziyweni yakho.

[18]Ngokuba kumnandi, uma ukugcina phakathi kwakho, kubekwe kanyekanye ezindebeni zakho.

[19]Ukuba ithemba lakho libe kuJehova, ngikwazisile khona namuhla, yebo, wena.

[20]Angithi ngilobile kuwe nangaphambili ngeziluleko nangokwazi,

[21]ukuze ngikwazise ukuthembeka kwamazwi eqiniso ukuba ubuyisele kwabakuthumileyo amazwi eqiniso, na?

[22]Ungamphangi ompofu ngokuba empofu, ungamchobozi oswelayo esangweni,

[23] porque o SENHOR defenderá a causa deles e tirará a vida aos que os despojam.

[24] Não te associes com o iracundo, nem andes com o homem colérico,

[25] para que não aprendas as suas veredas e, assim, enlaces a tua alma.

[26] Não estejas entre os que se comprometem e ficam por fiadores de dívidas,

[27] pois, se não tens com que pagar, por que arriscas perder a cama de debaixo de ti?

[28] Não removas os marcos antigos que puseram teus pais.

[29] Vês a um homem perito na sua obra? Perante reis será posto; não entre a plebe.

[23] ngokuba uJehova uyakumela indaba yabo, aphuce ababaphucayo umphefumulo wabo.

[24] Ungabi ngumngane womuntu onolaka, ungahambi nomuntu onokufutheka,

[25]funa ufunde izindlela zakhe, uthole ugibe lomphefumulo wakho.

[26] Ungabi ngowabaxhawulanayo, nowabayizibambiso zezikwenetu;

[27]uma kungekho ongakhokha ngakho, ubuyakususelwani umbhede wakho phansi kwakho na?

[28] Ungasusi isikhonkwane esidala oyihlo abasimisileyo.

[29]Uyambona umuntu ehlakaniphile emsebenzini wakhe na? Uyakuma phambi kwamakhosi, akayikuma phambi kwabantukazana nje.

Provérbios 23

[1] Quando te assentares a comer com um governador, atenta bem para aquele que está diante de ti;

[2] mete uma faca à tua garganta, se és homem glutão.

[3] Não cobices os seus delicados manjares, porque são comidas enganadoras.

[4] Não te fatigues para seres rico; não apliques nisso a tua inteligência.

[5] Porventura, fitarás os olhos naquilo que não é nada? Pois, certamente, a riqueza fará para si asas, como a águia que voa pelos céus.

[6] Não comas o pão do invejoso, nem cobices os seus delicados manjares.

IzAga 23

[1]Lapho uhlezi ekudleni nombusi, qonda nokuqonda ophambi kwakho,

[2]ubeke umese emphinjeni wakho, uma ungumuntu wephango.

[3]Unganxaneli izilovela zakhe, lokhu zingukudla okukhohlisayo.

[4]Ungakhandlekeli ukuceba; kuyeke ngokuqonda kwakho.

[5]Amehlo akho ayandizela kulokho, kepha akusekho, ngokuba kuyazenzela impela amaphiko njengokhozi olundizela ezulwini.

[6]Ungadli ukudla koneso elibi, ungafisi izilovela zakhe,

[7] Porque, como imagina em sua alma, assim ele é; ele te diz: Come e bebe; mas o seu coração não está contigo.
[8] Vomitarás o bocado que comeste e perderás as tuas suaves palavras.
[9] Não fales aos ouvidos do insensato, porque desprezará a sabedoria das tuas palavras.
[10] Não removas os marcos antigos, nem entres nos campos dos órfãos,
[11] porque o seu Vingador é forte e lhes pleiteará a causa contra ti.
[12] Aplica o coração ao ensino e os ouvidos às palavras do conhecimento.
[13] Não retires da criança a disciplina, pois, se a fustigares com a vara, não morrerá.
[14] Tu a fustigarás com a vara e livrarás a sua alma do inferno.
[15] Filho meu, se o teu coração for sábio, alegrar-se-á também o meu;
[16] exultará o meu íntimo, quando os teus lábios falarem coisas retas.
[17] Não tenha o teu coração inveja dos pecadores; antes, no temor do SENHOR perseverarás todo dia.
[18] Porque deveras haverá bom futuro; não será frustrada a tua esperança.
[19] Ouve, filho meu, e sê sábio; guia retamente no caminho o teu coração.
[20] Não estejas entre os bebedores de vinho nem entre os comilões de carne.

[7]ngokuba unjengozicabangelayo; uthi kuwe: Yidla uphuze, Kepha inhliziyo yakhe ayikho kuwe.
[8]Umthamo owudlileyo uyakuwuhlanza, uchithe amazwi akho amnandi.
[9] Ungakhulumi ezindlebeni zesiwula, ngokuba siyakudelela ukuhlakanipha kwamazwi akho.
[10] Ungasusi isikhonkwane esidala, ungangeni emasimini ezintandane,
[11] ngokuba umhlengi wazo unamandla; uyakumela indaba yazo kuwe.
[12] Beka inhliziyo yakho ekulayweni, nezindlebe zakho emazwini okwazi.
[13] Ungayeki ukumlaya umntwana, ngokuba uma umshaya ngoswazi akayikufa.
[14]Uyakumshaya ngoswazi, wophule umphefumulo wakhe endaweni yabafileyo.
[15] Ndodana yami, uma inhliziyo yakho ihlakanipha, inhliziyo yami iyakuthokoza, yebo, eyami.
[16]Izinso zami ziyakujabula, lapho izindebe zakho zikhuluma okulungileyo.
[17] Inhliziyo yakho mayingabi namhawu ngezoni, kepha mawube sekumesabeni uJehova usuku lonke.
[18] Ngokuba impela umvuzo ukhona, nethemba lakho aliyikunqunywa.
[19]Yizwa wena ndodana yami, uhlakaniphe, uhole inhliziyo yakho ngendlela.
[20]Ungabi phakathi kwezinseli zewayini nabayiziminzi zenyama.

[21] Porque o beberrão e o comilão caem em pobreza; e a sonolência vestirá de trapos o homem.

[22] Ouve a teu pai, que te gerou, e não desprezes a tua mãe, quando vier a envelhecer.

[23] Compra a verdade e não a vendas; compra a sabedoria, a instrução e o entendimento.

[24] Grandemente se regozijará o pai do justo, e quem gerar a um sábio nele se alegrará.

[25] Alegrem-se teu pai e tua mãe, e regozije-se a que te deu à luz.

[26] Dá-me, filho meu, o teu coração, e os teus olhos se agradem dos meus caminhos.

[27] Pois cova profunda é a prostituta, poço estreito, a alheia.

[28] Ela, como salteador, se põe a espreitar e multiplica entre os homens os infiéis.

[29] Para quem são os ais? Para quem, os pesares? Para quem, as rixas? Para quem, as queixas? Para quem, as feridas sem causa? E para quem, os olhos vermelhos?

[30] Para os que se demoram em beber vinho, para os que andam buscando bebida misturada.

[31] Não olhes para o vinho, quando se mostra vermelho, quando resplandece no copo e se escoa suavemente.

[32] Pois ao cabo morderá como a cobra e picará como o basilisco.

[21] Ngokuba inseli noyisiminzi bayakuba mpofu; ukozela kuyakwembathisa umuntu amanikiniki.

[22] Lalela uyihlo owakuzalayo, ungamdeleli unyoko lapho esemdala.

[23]Thenga iqiniso, ungathengisi ngalo, nokuhlakanipha, nokulaywa, nokuqonda.

[24] Uyise wolungileyo uyakwethaba nokwethaba, nozala ohlakaniphileyo uyathokoza ngaye.

[25]Mabathokoze uyihlo nonyoko, ethabe owakubelethayo.

[26]Ndodana yami, ngiphe inhliziyo yakho, amehlo akho enamele izindlela zami.

[27] Ngokuba isifebe singumgodi ojulileyo, nowesifazane ondindayo ungumhholo onyinyeneyo.

[28]Uqamekela njengomphangi; uyandisa abambuluzayo phakathi kwabantu.

[29]Ngubani othi: Maye! Ngubani othi: Wo! Ngubani oxabanayo? Ngubani okhalayo, ngubani onezilonda ngeze, na? Ngubani onamehlo aklwelayo na?

[30] Yibo abalibala ngasewayinini, abaya ukunambitha iwayini elixutshanisiweyo.

[31] Ungalibuki iwayini ukuthi libomvu, nokuthi liyacwebezela endebeni, ukuba lehle kalula.

[32]Ngasekugcineni liyaluma njengenyoka, lihlabe njengebululu.

[33] Os teus olhos verão coisas esquisitas, e o teu coração falará perversidades.

[34] Serás como o que se deita no meio do mar e como o que se deita no alto do mastro

[35] e dirás: Espancaram-me, e não me doeu; bateram-me, e não o senti; quando despertarei? Então, tornarei a beber.

[33]Amehlo akho ayakubona imihlola, inhliziyo yakho ikhulume okuphambeneyo.

[34]Uyakuba njengolele ekujuleni kolwandle nohlezi esihlokweni sensika yomkhumbi.

[35]Uyakuthi: Bangishayile, angilimalanga; bangigalele, angikwazanga. Lapho ngivuka, ngiyakubuye ngilifune.

Provérbios 24

[1] Não tenhas inveja dos homens malignos, nem queiras estar com eles,

[2] porque o seu coração maquina violência, e os seus lábios falam para o mal.

[3] Com a sabedoria edifica-se a casa, e com a inteligência ela se firma;

[4] pelo conhecimento se encherão as câmaras de toda sorte de bens, preciosos e deleitáveis.

[5] Mais poder tem o sábio do que o forte, e o homem de conhecimento, mais do que o robusto.

[6] Com medidas de prudência farás a guerra; na multidão de conselheiros está a vitória.

[7] A sabedoria é alta demais para o insensato; no juízo, a sua boca não terá palavra.

[8] Ao que cuida em fazer o mal, mestre de intrigas lhe chamarão.

[9] Os desígnios do insensato são pecado, e o escarnecedor é abominável aos homens.

[10] Se te mostras fraco no dia da angústia, a tua força é pequena.

IzAga 24

[1] Ungabi namhawu ngabantu ababi, ungafisi ukuba nabo.

[2]Ngokuba izinhliziyo zabo ziceba ukuchitha, nezindebe zabo zikhuluma ngengozi.

[3]Indlu iyakhiwa ngokuhlakanipha, iqiniswe ngokuqonda.

[4]Amakamelo agcwaliswa ngokwazi, ngayo yonke ingcebo enqabileyo nemnandi.

[5] Umuntu ohlakaniphileyo udlula onamandla, nomuntu onokwazi onezikhwepha.

[6] Ngokuba ngokucabanga ungaphaka impi yakho, nokusinda kumi ngobuningi babeluleki.

[7]Ukuhlakanipha kuphakeme kunesiwula; esangweni asivuli umlomo waso.

[8]Ocabanga ukwenza okubi uyakubizwa ngokuthi owenza amacebo.

[9]Ukuceba ubuwula kuyisono, nesideleli siyisinengiso kubantu.

[10]Uma udangala ngosuku lokuhlupheka, amandla akho mancane.

[11] Livra os que estão sendo levados para a morte e salva os que cambaleiam indo para serem mortos.
[12] Se disseres: Não o soubemos, não o perceberá aquele que pesa os corações? Não o saberá aquele que atenta para a tua alma? E não pagará ele ao homem segundo as suas obras?
[13] Filho meu, saboreia o mel, porque é saudável, e o favo, porque é doce ao teu paladar.
[14] Então, sabe que assim é a sabedoria para a tua alma; se a achares, haverá bom futuro, e não será frustrada a tua esperança.
[15] Não te ponhas de emboscada, ó perverso, contra a habitação do justo, nem assoles o lugar do seu repouso,
[16] porque sete vezes cairá o justo e se levantará; mas os perversos são derribados pela calamidade.
[17] Quando cair o teu inimigo, não te alegres, e não se regozije o teu coração quando ele tropeçar;
[18] para que o SENHOR não veja isso, e lhe desagrade, e desvie dele a sua ira.
[19] Não te aflijas por causa dos malfeitores, nem tenhas inveja dos perversos,
[20] porque o maligno não terá bom futuro, e a lâmpada dos perversos se apagará.
[21] Teme ao SENHOR, filho meu, e ao rei e não te associes com os revoltosos.

[11] Bophule abayiswa ekufeni; abakhubekiselwa ekubulaweni ubagodle.
[12] Uma uthi: Bheka, besingakwazi, akakuqondi yini olinganisa izinhliziyo, nolonda umphefumulo wakho akakwazi, na? Futhi akayikuphindisela bonke abantu ngokwemisebenzi yabo na?
[13] Ndodana yami, yidla izinyosi, ngokuba zimnandi, noju oluhle emlonyeni wakho.
[14] Yazi ukuthi kunjalo ukuhlakanipha emphefumulweni wakho; uma ukutholile, kuyakuba khona isikhathi esizayo, nethemba lakho aliyikunqunywa.
[15]Wena omubi ungaqamekeli indlu yolungileyo, ungachithi indawo yakhe yokuphumula.
[16] Ngokuba olungileyo angawa kasikhombisa, abesebuye avuke, kepha ababi bayakukhubeka ngobubi.
[17] Ungathokozi ngokuwa kwesitha sakho, nenhliziyo yakho mayingajabuli ngokukhubeka kwaso,
[18]funa uJehova akubone, kube kubi emehlweni akhe, asuse intukuthelo yakhe kuso.
[19] Ungazikhathazi ngabenza okubi, ungabi namhawu ngamashinga.
[20] Ngokuba omubi akayikuba namvuzo, nesibani samashinga siyakucima.
[21] Ndodana yami, yesaba uJehova nenkosi, ungahlangani nabahlubukayo.

[22] Porque de repente levantará a sua perdição, e a ruína que virá daqueles dois, quem a conhecerá?

[22]Ngokuba ingozi yabo iyakuvuka masinyane; ngubani owazi ukuchithwa kweminyaka yabo na?

Mais alguns provérbios dos sábios

Amazwi ezihlakaniphi: isigaba sesibili

[23] São também estes provérbios dos sábios. Parcialidade no julgar não é bom.

[23] Nalawa angamazwi ahlakaniphileyo: Ukukhetha ubuso ekwahluleleni akukuhle.

[24] O que disser ao perverso: Tu és justo; pelo povo será maldito e detestado pelas nações.

[24]Oshoyo komubi ukuthi: Ulungile, lowo abantu bayakumqalekisa, nezizwe ziyakumthukuthelela.

[25] Mas os que o repreenderem se acharão bem, e sobre eles virão grandes bênçãos.

[25]Kwabamthethisayo kuyakuba mnandi, kufike phezu kwabo isibusiso esihle.

[26] Como beijo nos lábios, é a resposta com palavras retas.

[26]Njengokwanga kwezindebe, injalo impendulo eqinisileyo.

[27] Cuida dos teus negócios lá fora, apronta a lavoura no campo e, depois, edifica a tua casa.

[27] Qeda umsebenzi wakho ngaphandle, uzilungiselele wona ensimini, wakhe ngasemuva indlu yakho.

[28] Não sejas testemunha sem causa contra o teu próximo, nem o enganes com os teus lábios.

[28] Ungabi ngufakazi ngomakhelwane wakho kungekho sizathu; wothi ukhohlise ngezindebe zakho na?

[29] Não digas: Como ele me fez a mim, assim lhe farei a ele; pagarei a cada um segundo a sua obra.

[29] Ungasho ukuthi: Njengalokho ekwenzile kimi, kanjalo ngiyakwenza kuye, ngimphindisele umuntu njengesenzo sakhe.

[30] Passei pelo campo do preguiçoso e junto à vinha do homem falto de entendimento;

[30]Ngadlula ensimini yomuntu oyivila, nasesivinini somuntu ongenangqondo;

[31] eis que tudo estava cheio de espinhos, a sua superfície, coberta de urtigas, e o seu muro de pedra, em ruínas.

[31]bheka, kuso sonke kwakukhona izimbathi, sisibekelwe phezulu ngezimbabazane, nogange lwaso lwamatshe lwaludilizelwe phansi.

[32] Tendo-o visto, considerei; vi e recebi a instrução.

[32]Ngabuka-ke mina, ngacabanga; ngabona, ngathola ukulaywa:

[33] Um pouco para dormir, um pouco para tosquenejar, um pouco para encruzar os braços em repouso,

[33] ubuthongo obuncane, ukozela okuncane, ukusonga izandla kancane kuze kulalwe,

[34] assim sobrevirá a tua pobreza como um ladrão, e a tua necessidade, como um homem armado.

Provérbios 25

Símiles e lições morais

[1] São também estes provérbios de Salomão, os quais transcreveram os homens de Ezequias, rei de Judá.

[2] A glória de Deus é encobrir as coisas, mas a glória dos reis é esquadrinhá-las.

[3] Como a altura dos céus e a profundeza da terra, assim o coração dos reis é insondável.

[4] Tira da prata a escória, e sairá vaso para o ourives;

[5] tira o perverso da presença do rei, e o seu trono se firmará na justiça.

[6] Não te glories na presença do rei, nem te ponhas no meio dos grandes;

[7] porque melhor é que te digam: Sobe para aqui!, do que seres humilhado diante do príncipe. A respeito do que os teus olhos viram,

[8] não te apresses a litigar, pois, ao fim, que farás, quando o teu próximo te puser em apuros?

[9] Pleiteia a tua causa diretamente com o teu próximo e não descubras o segredo de outrem;

[10] para que não te vitupere aquele que te ouvir, e não se te apegue a tua infâmia.

[34]bese kuthi ubumpofu bakho bufike njengomhambuma, nokuswela kwakho njengomuntu wesihlangu.

IzAga 25

Isigaba sesithathu samazwi ahlakaniphileyo

[1] Nalezi ziyizaga zikaSolomoni ezaphindwa ngamadoda kaHezekiya inkosi yakwaJuda.

[2] Kuludumo lukaNkulunkulu ukusitha into, kepha udumo lwamakhosi lungukuphenya indaba.

[3]Njengezulu ngokuphakama nomhlaba ngokujula, injalo inhliziyo yomuntu ngokuphenywa.

[4]Susa amanyela esiliveni, bese kuthi kuphumele umkhandi isitsha.

[5] Susa omubi phambi kwenkosi, bese kuthi isihlalo sayo sobukhosi siqiniswe ngokulunga.

[6]Ungaziphakamisi phambi kwenkosi, ungemi endaweni yabakhulu.

[7] Ngokuba kungcono ukuba kuthiwe kuwe: Yenyuka lapha, kunokuba wehliswe phambi kwesikhulu asesibonile amehlo akho.

[8]Ungasheshi ukuphuma ukuyophikisana ukuba ungazi ukuthi uyakwenze njani ekugcineni, lapho umakhelwane wakho ekuhlazisile.

[9] Mela indaba yakho nomakhelwane wakho, ungambuli imfihlakalo yomunye,

[10]funa okuzwayo akuhlazise, nodumo lwakho lungabuyi.

[11] Como maçãs de ouro em salvas de prata, assim é a palavra dita a seu tempo.

[12] Como pendentes e jóias de ouro puro, assim é o sábio repreensor para o ouvido atento.

[13] Como o frescor de neve no tempo da ceifa, assim é o mensageiro fiel para com os que o enviam, porque refrigera a alma dos seus senhores.

[14] Como nuvens e ventos que não trazem chuva, assim é o homem que se gaba de dádivas que não fez.

[15] A longanimidade persuade o príncipe, e a língua branda esmaga ossos.

[16] Achaste mel? Come apenas o que te basta, para que não te fartes dele e venhas a vomitá-lo.

[17] Não sejas freqüente na casa do teu próximo, para que não se enfade de ti e te aborreça.

[18] Maça, espada e flecha aguda é o homem que levanta falso testemunho contra o seu próximo.

[19] Como dente quebrado e pé sem firmeza, assim é a confiança no desleal, no tempo da angústia.

[20] Como quem se despe num dia de frio e como vinagre sobre feridas, assim é o que entoa canções junto ao coração aflito.

[21] Se o que te aborrece tiver fome, dá-lhe pão para comer; se tiver sede, dá-lhe água para beber,

[11] Izwi elikhulunywayo ngesikhathi esiyiso linjengama-apula asezitsheni zesiliva.

[12]Njengecici legolide nesivunulo segolide elicwengekileyo, unjalo umsoli ohlakaniphileyo endlebeni elalelayo.

[13] Njengokubanda kweqhwa ngosuku lokuvuna, sinjalo isithunywa esithembekileyo kosithumileyo, ngokuba siyahlumelela inkosi yaso.

[14] Njengamafu nomoya ngaphandle kwemvula kodwa, unjalo umuntu ozidumisa ngesipho angasiphiyo.

[15] Ngokubekezela kade isikhulu singavunyiswa, nolimi oluthambileyo luyaphula amathambo.

[16] Uma uthole izinyosi, yidla okwanele wena, funa udinwe, ubuye uhlanze.

[17]Unyawo lwakho malungavami endlini yomakhelwane wakho, funa adinwe nguwe, abuye akuzonde.

[18] Umuntu ofakazela amanga ngomakhelwane wakhe uyisando, nenkemba, nomcibisholo obukhali.

[19] Ukwethemba ombuluzayo ngosuku lokuhlupheka kunjengezinyo elaphukileyo nonyawo olwenyeleyo.

[20] Oyihlabelelela inhliziyo edabukileyo izihlabelelo unjengokhumula ibhantshi ngosuku lwamakhaza, nanjengoviniga esilondeni.

[21] Uma okuzondayo elambile, mnike ukudla, adle; uma omile, muphe amanzi, aphuze.

[22] porque assim amontoarás brasas vivas sobre a sua cabeça, e o SENHOR te retribuirá.

[23] O vento norte traz chuva, e a língua fingida, o rosto irado.

[24] Melhor é morar no canto do eirado do que junto com a mulher rixosa na mesma casa.

[25] Como água fria para o sedento, tais são as boas-novas vindas de um país remoto.

[26] Como fonte que foi turvada e manancial corrupto, assim é o justo que cede ao perverso.

[27] Comer muito mel não é bom; assim, procurar a própria honra não é honra.

[28] Como cidade derribada, que não tem muros, assim é o homem que não tem domínio próprio.

Provérbios 26

[1] Como a neve no verão e como a chuva na ceifa, assim, a honra não convém ao insensato.

[2] Como o pássaro que foge, como a andorinha no seu vôo, assim, a maldição sem causa não se cumpre.

[3] O açoite é para o cavalo, o freio, para o jumento, e a vara, para as costas dos insensatos.

[4] Não respondas ao insensato segundo a sua estultícia, para que não te faças semelhante a ele.

[22]Ngokuba uyakubuthela amalahle omlilo ekhanda lakhe, besekuthi uJehova akuvuze.

[23]Umoya wasenyakatho uyaletha imvula, nolimi olunyenyayo ubuso obuthukutheleyo.

[24] Kungcono ukuhlala egumbini lophahla kunokuhlala nowesifazane oxabanayo endlini ehlanganyelweyo.

[25]Njengamanzi aqandayo emphefumulweni owomileyo, unjalo umbiko omuhle ovela ezweni elikude.

[26]Njengomthombo odungekileyo nesiphethu esonakaleyo, unjalo olungileyo ozanyazanyiswa phambi komubi.

[27]Ukudla izinyosi eziningi akukuhle, nokuzifunela udumo kakusilo udumo.

[28]Njengomuzi odiliziweyo ungenalugange, unjalo umuntu omoya wakhe ungenakubanjwa.

IzAga 26

[1] Njengeqhwa ehlobo nemvula ngesikhathi sokuvuna, kanjalo udumo alufanele isiwula.

[2]Njengomzwilili ekuhambeni kwawo nanjengenkonjane ekundizeni kwayo, kanjalo isiqalekiso esingenasizathu asizi.

[3] Isiswebhu singesehhashi, netomu lingelembongolo, noswazi lungolomhlane weziwula.

[4]Ungasiphenduli isiwula njengobuwula baso, funa ufane naso.

[5] Ao insensato responde segundo a sua estultícia, para que não seja ele sábio aos seus próprios olhos.

[6] Os pés corta e o dano sofre quem manda mensagens por intermédio do insensato.

[7] As pernas do coxo pendem bambas; assim é o provérbio na boca dos insensatos.

[8] Como o que atira pedra preciosa num montão de ruínas, assim é o que dá honra ao insensato.

[9] Como galho de espinhos na mão do bêbado, assim é o provérbio na boca dos insensatos.

[10] Como um flecheiro que a todos fere, assim é o que assalaria os insensatos e os transgressores.

[11] Como o cão que torna ao seu vômito, assim é o insensato que reitera a sua estultícia.

[12] Tens visto a um homem que é sábio a seus próprios olhos? Maior esperança há no insensato do que nele.

[13] Diz o preguiçoso: Um leão está no caminho; um leão está nas ruas.

[14] Como a porta se revolve nos seus gonzos, assim, o preguiçoso, no seu leito.

[15] O preguiçoso mete a mão no prato e não quer ter o trabalho de a levar à boca.

[16] Mais sábio é o preguiçoso a seus próprios olhos do que sete homens que sabem responder bem.

[5]Phendula isiwula njengobuwula baso, funa sibe ngohlakaniphileyo emehlweni aso.

[6] Othuma izwi ngesandla sesiwula unquma izinyawo zakhe, uphuza ingozi.

[7]Imilenze yonyonga iyalengalenga; zinjalo izaga emilonyeni yeziwula.

[8]Njengobopha itshe endwayimaneni, unjalo onika isiwula udumo.

[9]Njengeva elingena esandleni sesidakwa, sinjalo isaga emlonyweni weziwula.

[10]Ingqongqo yenza konke yodwa; oqasha isiwula uqasha abadlulayo nje.

[11] Njengenja ebuyela ebuhlanzweni bayo, kanjalo isiwula siphinda ubuwula baso.

[12] Uyabona umuntu ohlakaniphile emehlweni akhe na? Kukhona ithemba ngesiwula kunaye.

[13] Ivila lithi: Kukhona ingonyama endleleni nebhubesi esigcawini.

[14]Isicabha siphenduka ngezingibe zaso, nevila ecansini lalo.

[15] Ivila liyafaka isandla salo esitsheni; kuyamkhathaza ukusibuyisela emlonyeni walo.

[16]Ivila lihlakaniphile emehlweni alo kunabayisikhombisa abaphendula ngokuhlakanipha.

[17] Quem se mete em questão alheia é como aquele que toma pelas orelhas um cão que passa.

[18] Como o louco que lança fogo, flechas e morte,

[19] assim é o homem que engana a seu próximo e diz: Fiz isso por brincadeira.

[20] Sem lenha, o fogo se apaga; e, não havendo maldizente, cessa a contenda.

[21] Como o carvão é para a brasa, e a lenha, para o fogo, assim é o homem contencioso para acender rixas.

[22] As palavras do maldizente são comida fina, que desce para o mais interior do ventre.

[23] Como vaso de barro coberto de escórias de prata, assim são os lábios amorosos e o coração maligno.

[24] Aquele que aborrece dissimula com os lábios, mas no íntimo encobre o engano;

[25] quando te falar suavemente, não te fies nele, porque sete abominações há no seu coração.

[26] Ainda que o seu ódio se encobre com engano, a sua malícia se descobrirá publicamente.

[27] Quem abre uma cova nela cairá; e a pedra rolará sobre quem a revolve.

[28] A língua falsa aborrece a quem feriu, e a boca lisonjeira é causa de ruína.

Provérbios 27

[17]Odlula nje ehlanganyela ukuxabana okungesikho okwakhe unjengobamba inja ngezindlebe zayo.

[18]Njengohlanya oluphonsa izikhuni nemicibisholo ebulalayo,

[19]unjalo umuntu okhohlisa umakhelwane wakhe, ethi: Angithi ngintelile nje na?

[20] Ngokuphela kwezinkuni umlilo uyacimeka, nalapho kungekho abancethezi, kuyabodla ukuxabana.

[21] Njengamalahle othuthwini nezinkuni emlilweni, unjalo umuntu ophikisa ukuvusa inkani.

[22] Amazwi omncethezi anjengesibiliboco: ayehlela kokuphakathi komuntu.

[23]Izindebe ezishisayo nenhliziyo embi kunjengesitsha sebumba esinamekwe ngamanyela esiliva.

[24]Ozondayo uyazenzisa ngezindebe zakhe, ubekelela inkohliso enhliziyweni yakhe.

[25]Lapho enza izwi lakhe libe mnandi, ungakholwa nguye, ngokuba kukhona izinengiso eziyisikhombisa enhliziyweni yakhe.

[26]Noma inzondo yakhe isibekelwa ngenzondo, ububi bakhe buyakwambulwa ebandleni.

[27] Omba umgodi uyakuwela kuwo, nogingqa itshe, liyakubuyela phezu kwakhe.

[28]Ulimi lwamanga luyazonda olubachobozileyo, nomlomo othophayo usebenza incithakalo.

IzAga 27

[1] Não te glories do dia de amanhã, porque não sabes o que trará à luz.

[2] Seja outro o que te louve, e não a tua boca; o estrangeiro, e não os teus lábios.

[3] Pesada é a pedra, e a areia é uma carga; mas a ira do insensato é mais pesada do que uma e outra.

[4] Cruel é o furor, e impetuosa, a ira, mas quem pode resistir à inveja?

[5] Melhor é a repreensão franca do que o amor encoberto.

[6] Leais são as feridas feitas pelo que ama, porém os beijos de quem odeia são enganosos.

[7] A alma farta pisa o favo de mel, mas à alma faminta todo amargo é doce.

[8] Qual ave que vagueia longe do seu ninho, tal é o homem que anda vagueando longe do seu lar.

[9] Como o óleo e o perfume alegram o coração, assim, o amigo encontra doçura no conselho cordial.

[10] Não abandones o teu amigo, nem o amigo de teu pai, nem entres na casa de teu irmão no dia da tua adversidade. Mais vale o vizinho perto do que o irmão longe.

[11] Sê sábio, filho meu, e alegra o meu coração, para que eu saiba responder àqueles que me afrontam.

[1] Ungazigabisi ngolwakusasa, ngokuba awukwazi okungavela ngosuku.

[2] Makakudumise omunye, kungabi ngumlomo wakho, kube ngumfokazi, kungabi yizindebe zakho.

[3] Itshe liyasinda nesihlabathi sinzima, kepha ukukhathaza kwesiwula kuyasinda kunakho kokubili.

[4] Ulaka lulunya nentukuthelo iyisikhukhula, kepha ngubani ongema phambi komhawu na?

[5]Ukusola okusobala kungcono kunothando olufihliweyo.

[6]Amanxeba othandayo athembekile, kepha ukwanga kwesitha kuyachichima.

[7]Umphefumulo osuthiyo uyanengwa yizinyosi, kepha emphefumulweni olambileyo konke okubabayo kumnandi.

[8]Njengenyoni esuka ibaleka esidlekeni sayo, unjalo umuntu obalekele indawo yakhe.

[9]Amafutha nempepho kuyathokozisa inhliziyo; bunjalo ubumnandi bomuntu ngokululeka ngenhliziyo.

[10] Ungashiyi umngane wakho nomngane kayihlo, ungangeni endlini yomfowenu ngosuku lwengozi yakho; ungcono umakhelwane oseduze kunomfowenu okude.

[11] Ndodana yami, hlakanipha, uthokozise inhliziyo yami ukuba ngiphendule ongisolayo.

[12] O prudente vê o mal e esconde-se; mas os simples passam adiante e sofrem a pena.
[13] Tome-se a roupa àquele que fica fiador por outrem; e, por penhor, àquele que se obriga por mulher estranha.
[14] O que bendiz ao seu vizinho em alta voz, logo de manhã, por maldição lhe atribuem o que faz.
[15] O gotejar contínuo no dia de grande chuva e a mulher rixosa são semelhantes;
[16] contê-la seria conter o vento, seria pegar o óleo na mão.
[17] Como o ferro com o ferro se afia, assim, o homem, ao seu amigo.
[18] O que trata da figueira comerá do seu fruto; e o que cuida do seu senhor será honrado.
[19] Como na água o rosto corresponde ao rosto, assim, o coração do homem, ao homem.
[20] O inferno e o abismo nunca se fartam, e os olhos do homem nunca se satisfazem.
[21] Como o crisol prova a prata, e o forno, o ouro, assim, o homem é provado pelos louvores que recebe.
[22] Ainda que pises o insensato com mão de gral entre grãos pilados de cevada, não se vai dele a sua estultícia.
[23] Procura conhecer o estado das tuas ovelhas e cuida dos teus rebanhos,

[12] Oqondileyo uyabona ububi, acashe, kepha abangenalwazi badlula nje, bahlupheke ngakho.
[13] Thatha ingubo yoyisibambiso somfokazi, umbambe abe yisibambiso omela abezizwe.
[14]Obusisa umngane wakhe ngezwi elikhulu, evuka ekuseni, kuyakubalelwa kuye ukuthi kuyisiqalekiso.
[15] Ukuconsa okunganqamukiyo ngosuku lwemvula nowesifazane oxabanayo kuyafana.
[16]Omvimbela yena uvimbela umoya; isandla sakhe sokunene sihlangana namafutha nje.
[17]Insimbi ilola insimbi, nomuntu ubuso bomunye.
[18]Olonda umkhiwane uyakudla izithelo zawo, nolinda inkosi yakhe uyakudunyiswa.
[19]Njengasemanzini ubuso bubhekana nobuso, injalo inhliziyo yomuntu kumuntu.
[20] Indawo yabafileyo nokubhubha akusuthi, namehlo omuntu awasuthi.
[21] Ukhamba lokuncibilikisela lungolwesiliva, nesithando ngesegolide, nomuntu unjengodumo lwakhe.
[22]Noma ugqula isiwula ngembokodwe etsheni lokusila phakathi komqhazulo, ubuwula baso abuyikusuka kuso.
[23]Yazi nokwazi ukuma kwezimvu zakho, ubeke inhliziyo yakho emihlambini yakho.

[24] porque as riquezas não duram para sempre, nem a coroa, de geração em geração.

[25] Quando, removido o feno, aparecerem os renovos e se recolherem as ervas dos montes,

[26] então, os cordeiros te darão as vestes, os bodes, o preço do campo,

[27] e as cabras, leite em abundância para teu alimento, para alimento da tua casa e para sustento das tuas servas.

[24]Ngokuba ingcebo ayiyikuhlala kuze kube phakade; umqhele uyahlala izizukulwane ngezizukulwane na?

[25]Lapho utshani bumuka, nohlaza lubonakala, nemifino yezintaba ibuthwa,

[26]kukhona izimvu zokuba wembathe, nezimpongo ukuba zibe yintengo yomhlaba.

[27]Kuyakuba khona ubisi lwezimbuzi olwanele ukudla kwakho nokudla kwendlu yakho, nokuphila kwamantombazana akho.

Provérbios 28

Provérbios antitéticos

[1] Fogem os perversos, sem que ninguém os persiga; mas o justo é intrépido como o leão.

[2] Por causa da transgressão da terra, mudam-se freqüentemente os príncipes, mas por um, sábio e prudente, se faz estável a sua ordem.

[3] O homem pobre que oprime os pobres é como chuva que a tudo arrasta e não deixa trigo.

[4] Os que desamparam a lei louvam o perverso, mas os que guardam a lei se indignam contra ele.

[5] Os homens maus não entendem o que é justo, mas os que buscam o SENHOR entendem tudo.

[6] Melhor é o pobre que anda na sua integridade do que o perverso, nos seus caminhos, ainda que seja rico.

IzAga 28

[1] Ababi bayabaleka, noma kungekho obaxoshayo, kepha abalungileyo banesibindi njengengonyama.

[2] Ngesiphambeko salo izwe linezikhulu eziningi, kepha ngabantu abaqondileyo nabanokwazi liyakuma.

[3]Umuntu oswelayo ocindezela abampofu unjengemvula ekhukhulayo engashiyi ukudla.

[4]Abashiya umthetho badumisa ababi, kepha abagcina umthetho balwa nabo.

[5]Abantu ababi abaqondi ukwahlulela, kepha abafuna uJehova baqonda konke.

[6]Ungcono ompofu ohamba ekupheleleni kwakhe kunocebileyo ophambene ngezindlela zakhe.

[7] O que guarda a lei é filho prudente, mas o companheiro de libertinos envergonha a seu pai.

[8] O que aumenta os seus bens com juros e ganância ajunta-os para o que se compadece do pobre.

[9] O que desvia os ouvidos de ouvir a lei, até a sua oração será abominável.

[10] O que desvia os retos para o mau caminho, ele mesmo cairá na cova que fez, mas os íntegros herdarão o bem.

[11] O homem rico é sábio aos seus próprios olhos; mas o pobre que é sábio sabe sondá-lo.

[12] Quando triunfam os justos, há grande festividade; quando, porém, sobem os perversos, os homens se escondem.

[13] O que encobre as suas transgressões jamais prosperará; mas o que as confessa e deixa alcançará misericórdia.

[14] Feliz o homem constante no temor de Deus; mas o que endurece o coração cairá no mal.

[15] Como leão que ruge e urso que ataca, assim é o perverso que domina sobre um povo pobre.

[16] O príncipe falto de inteligência multiplica as opressões, mas o que aborrece a avareza viverá muitos anos.

[17] O homem carregado do sangue de outrem fugirá até à cova; ninguém o detenha.

[7]Ogcina umthetho uyindodana eqondileyo, kepha ongumngane weziminzi uhlazisa uyise.

[8] Owandisa imfuyo yakhe ngenzalo nangenzuzo uyibuthela onomusa kwabampofu.

[9] Ophendula indlebe yakhe ekuzweni umthetho, nomkhuleko wakhe uyisinengiso.

[10] Odukisela abaqotho endleleni embi uyakuwela emgodini wakhe, kepha abapheleleyo bayakudla ifa lokuhle.

[11]Isicebi sihlakaniphile emehlweni aso, kepha ompofu oqondileyo uyakusifica.

[12] Lapho abalungileyo bethokoza, udumo lukhulu, kepha ekuvukeni kwababi abantu bamelwe ukufunwa.

[13] Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kepha ozivumayo azishiye uyakuthola umusa.

[14] Ubusisiwe umuntu owesaba njalo, kepha oyenza lukhuni inhliziyo yakhe uyakuwela ebubini.

[15]Njengengoyama ebhongayo nebhere elihahayo, unjalo umbusi omubi phezu kwabantu abampofu.

[16] Wena sikhulu esingenakuqonda nesicindezelayo, ozonda inzuzo engalungile uyakwandiza izinsuku zakhe.

[17] Umuntu osindwa yigazi lomunye uyakubalekela egodini; makangasizwa muntu.

[18] O que anda em integridade será salvo, mas o perverso em seus caminhos cairá logo.

[19] O que lavra a sua terra virá a fartar-se de pão, mas o que se ajunta a vadios se fartará de pobreza.

[20] O homem fiel será cumulado de bênçãos, mas o que se apressa a enriquecer não passará sem castigo.

[21] Parcialidade não é bom, porque até por um bocado de pão o homem prevaricará.

[22] Aquele que tem olhos invejosos corre atrás das riquezas, mas não sabe que há de vir sobre ele a penúria.

[23] O que repreende ao homem achará, depois, mais favor do que aquele que lisonjeia com a língua.

[24] O que rouba a seu pai ou a sua mãe e diz: Não é pecado, companheiro é do destruidor.

[25] O cobiçoso levanta contendas, mas o que confia no SENHOR prosperará.

[26] O que confia no seu próprio coração é insensato, mas o que anda em sabedoria será salvo.

[27] O que dá ao pobre não terá falta, mas o que dele esconde os olhos será cumulado de maldições.

[28] Quando sobem os perversos, os homens se escondem, mas, quando eles perecem, os justos se multiplicam.

Provérbios 29

[18] Ohamba ekupheleleni uyakusinda, kepha ophambene ngezindlela zakhe uyakuwa kwenye yazo.

[19] Olima insimu yakhe uyakusutha ngokudla, kepha olandela amayiyane uyakusutha ngobumpofu.

[20] Umuntu othembekileyo uyakuvama izibusiso, kepha oshesha ukuceba akayikuyekwa.

[21] Ukukhetha ubuso akukuhle; ngomthamo wesinkwa umuntu angenza isiphambeko.

[22]Umuntu oneso elibi ushesha ukuba athole imfuyo; akazi ukuthi ukuswela kuyakumehlela.

[23] Osola umuntu uyakuthola ngasemuva isisa kunothopha ngolimi lwakhe.

[24] Ophanga uyise nonina, ethi: Akusiso isiphambeko, yena ungumngane wochithayo.

[25]Onomoya ohahayo uyavusa ukuxabana, kepha owethemba kuJehova uyakukhuluphaliswa.

[26] Owethemba enhliziyweni yakhe uyisiwula; kepha ohamba ngokuhlakanipha uyakhululwa.

[27] Opha ompofu akayikuswela, kepha ositheza amehlo akhe uyakuba neziqalekiso eziningi.

[28] Lapho ababi bevuka, umuntu uyacasha, kepha ngokubhubha kwabo abalungileyo bayanda.

IzAga 29

[1] O homem que muitas vezes repreendido endurece a cerviz será quebrantado de repente sem que haja cura.

[2] Quando se multiplicam os justos, o povo se alegra, quando, porém, domina o perverso, o povo suspira.

[3] O homem que ama a sabedoria alegra a seu pai, mas o companheiro de prostitutas desperdiça os bens.

[4] O rei justo sustém a terra, mas o amigo de impostos a transtorna.

[5] O homem que lisonjeia a seu próximo arma-lhe uma rede aos passos.

[6] Na transgressão do homem mau, há laço, mas o justo canta e se regozija.

[7] Informa-se o justo da causa dos pobres, mas o perverso de nada disso quer saber.

[8] Os homens escarnecedores alvoroçam a cidade, mas os sábios desviam a ira.

[9] Se o homem sábio discute com o insensato, quer este se encolerize, quer se ria, não haverá fim.

[10] Os sanguinários aborrecem o íntegro, ao passo que, quanto aos retos, procuram tirar-lhes a vida.

[11] O insensato expande toda a sua ira, mas o sábio afinal lha reprime.

[12] Se o governador dá atenção a palavras mentirosas, virão a ser perversos todos os seus servos.

[13] O pobre e o seu opressor se encontram, mas é o SENHOR quem dá luz aos olhos de ambos.

[1] Umuntu osolwayo, onentamo elukhuni kodwa, uyakwaphulwa ngokuphazima kweso, engenakuphulukiswa.

[2] Abantu bayathokoza ngokwanda kwabalungileyo, kepha ngokubusa kwababi abantu bayabubula.

[3] Umuntu othanda ukuhlakanipha uthokozisa uyise, kepha umngane wezifebe uchitha imfuyo yakhe.

[4] Inkosi iqinisa izwe ngokwahlulela, kepha umuntu olithelisayo uyalichitha.

[5]Umuntu othopha umakhelwane wakhe wenekela izinyawo zakhe inetha.

[6] Esiphambekweni somuntu omubi kukhona ugibe, kepha olungileyo uyenanela, athokoze.

[7]Olungileyo uyazi indaba yabampofu, kepha omubi akayiqondi.

[8] Abantu abayizideleli bavusa umuzi, kepha abahlakaniphileyo babuyisa ulaka.

[9] Uma ohlakaniphileyo ephikisene nesiwula, siyadlova sihleke, nokuthula akukho.

[10]Abantu begazi bayazonda opheleleyo, kepha abaqotho banaka umphefumulo wakhe.

[11] Isiwula sikhipha lonke ulaka lwaso, kepha ohlakaniphileyo uyalugodla ekugcineni.

[12]Uma umbusi elalela indaba yamanga, zonke izinceku zakhe zimbi.

[13] Ompofu nocindezelayo bandawonye; uJehova ukhanyisa amehlo abo bobabili.

[14] O rei que julga os pobres com eqüidade firmará o seu trono para sempre.

[15] A vara e a disciplina dão sabedoria, mas a criança entregue a si mesma vem a envergonhar a sua mãe.

[16] Quando os perversos se multiplicam, multiplicam-se as transgressões, mas os justos verão a ruína deles.

[17] Corrige o teu filho, e te dará descanso, dará delícias à tua alma.

[18] Não havendo profecia, o povo se corrompe; mas o que guarda a lei, esse é feliz.

[19] O servo não se emendará com palavras, porque, ainda que entenda, não obedecerá.

[20] Tens visto um homem precipitado nas suas palavras? Maior esperança há para o insensato do que para ele.

[21] Se alguém amimar o escravo desde a infância, por fim ele quererá ser filho.

[22] O iracundo levanta contendas, e o furioso multiplica as transgressões.

[23] A soberba do homem o abaterá, mas o humilde de espírito obterá honra.

[24] O que tem parte com o ladrão aborrece a própria alma; ouve as maldições e nada denuncia.

[25] Quem teme ao homem arma ciladas, mas o que confia no SENHOR está seguro.

[14] Inkosi eyahlulela abampofu ngeqiniso, isihlalo sayo sobukhosi siyakuma phakade.

[15] Uswazi nokusola kuyanika ukuhlakanipha, kepha umntwana oyekwayo uyahlazisa unina.

[16] Ngokwanda kwababi kuyanda iziphambeko, kepha abalungileyo bayakubuka ukuwa kwabo.

[17]Yilaye indodana yakho, iyakukuphumuza, yebo, iyakuthokozisa umphefumulo wakho.

[18]Lapho kungekho mbono khona, abantu bayadlubulunda, kepha ogcina umthetho ubusisiwe.

[19]Inceku ayisolwa ngamazwi, ngokuba noma iqonda ayilaleli.

[20] Uyabona umuntu oshesha ngamazwi na? Kukhona ithemba ngesiwula kunangaye.

[21]Inceku ekhuliswa kahle kwasebuntwaneni iyakuba yindodana ekugcineni.

[22] Umuntu onolaka uvusa ukuxabana, nomuntu ofuthekayo uvama ukuphambeka.

[23] Ukuzidla komuntu kuyamthobisa, kepha onomoya othobekileyo uyazuza udumo.

[24] Ohlanganyela nesela uzonda umphefumulo wakhe; uyezwa isifungo, kepha akasidaluli.

[25] Ukwesaba abantu kubeka ugibe, kepha owethemba uJehova uyalondeka.

[26] Muitos buscam o favor daquele que governa, mas para o homem a justiça vem do SENHOR.

[27] Para o justo, o iníquo é abominação, e o reto no seu caminho é abominação ao perverso.

Provérbios 30

As palavras de Agur

[1] Palavras de Agur, filho de Jaque, de Massá. Disse o homem: Fatiguei-me, ó Deus; fatiguei-me, ó Deus, e estou exausto

[2] porque sou demasiadamente estúpido para ser homem; não tenho inteligência de homem,

[3] não aprendi a sabedoria, nem tenho o conhecimento do Santo.

[4] Quem subiu ao céu e desceu? Quem encerrou os ventos nos seus punhos? Quem amarrou as águas na sua roupa? Quem estabeleceu todas as extremidades da terra? Qual é o seu nome, e qual é o nome de seu filho, se é que o sabes?

[5] Toda palavra de Deus é pura; ele é escudo para os que nele confiam.

[6] Nada acrescentes às suas palavras, para que não te repreenda, e sejas achado mentiroso.

[7] Duas coisas te peço; não mas negues, antes que eu morra:

[8] afasta de mim a falsidade e a mentira; não me dês nem a pobreza nem a riqueza; dá-me o pão que me for necessário;

[9] para não suceder que, estando eu farto, te negue e diga: Quem é o SENHOR? Ou

[26]Abaningi bafuna ubuso bombusi, kepha ukwahlulelwa komuntu kuvela kuJehova.

[27] Umuntu owonakeleyo uyisinengiso kwabalungileyo, noqotho endleleni uyisinengiso komubi.

IzAga 30

Amazwi ka-Aguri

[1]Amazwi ka-Aguri, indodana kaJakhe waseMasa. Yathi indoda ku-Ithiyeli, ko-Ithiyeli no-Ukhali:

[2] Impela ngiyisiwula kunabanye abantu, anginakuqonda komuntu.

[3]Angifundanga ukuhlakanipha, ukuze ngazi oNgcwele.

[4] Ngubani owenyukele ezulwini, wabuye wehla na? Ngubani oqoqele umoya ezandleni zakhe na? Ngubani obophile amanzi engutsheni yakhe na? Ngubani omisile yonke imikhawulo yomhlaba na? Ngubani igama lakhe, ngubani igama lendodana yakhe, uma ulazi, na?

[5] Onke amazwi kaNkulunkulu acwebile; uyisihlangu kwabaphephela kuye.

[6] Ungenezeli emazwini akhe, funa akusole, ufunyanwe ungumqambimanga.

[7] Yizinto ezimbili engizicela kuwe: unganginqabeli nazo, ngingakafi.

[8] Dedisela kude nami okuyize namanga, unganginiki ubumpofu nengcebo, kepha ngiphe isinkwa engisimiselweyo,

[9] funa ngisuthe, ngikuphike ngithi: UJehova ungubani na funa ngibe mpofu,

que, empobrecido, venha a furtar e profane o nome de Deus.

10 Não calunies o servo diante de seu senhor, para que aquele te não amaldiçoe e fiques culpado.

11 Há daqueles que amaldiçoam a seu pai e que não bendizem a sua mãe.

12 Há daqueles que são puros aos próprios olhos e que jamais foram lavados da sua imundícia.

13 Há daqueles – quão altivos são os seus olhos e levantadas as suas pálpebras!

14 Há daqueles cujos dentes são espadas, e cujos queixais são facas, para consumirem na terra os aflitos e os necessitados entre os homens.

15 A sanguessuga tem duas filhas, a saber: Dá, Dá. Há três coisas que nunca se fartam, sim, quatro que não dizem: Basta!

16 Elas são a sepultura, a madre estéril, a terra, que se não farta de água, e o fogo, que nunca diz: Basta!

17 Os olhos de quem zomba do pai ou de quem despreza a obediência à sua mãe, corvos no ribeiro os arrancarão e pelos pintãos da águia serão comidos.

18 Há três coisas que são maravilhosas demais para mim, sim, há quatro que não entendo:

19 o caminho da águia no céu, o caminho da cobra na penha, o caminho do navio no

ngebe, ngilone igama likaNkulunkulu wami.

10 Ungahlebi inceku enkosini yayo, funa ikuthuke, ube necala.

11 Kukhona isizukulwane esithuka uyise, esingabusisi unina.

12Kukhona isizukulwane esimhlophe emehlweni aso, esingahlanzwanga ensileni yaso.

13Kukhona isizukulwane yeka ukuzidla kwaso! Nezinkophe zaso ziphakanyisiwe.

14Kukhona isizukulwane esimazinyo aso ayizinkemba namazinyo emihlathi angomese bokuqeda abampofu emhlabeni, nabaswelayo phakathi kwabantu.

15 Umnyundu unamadodakazi amabili athi: Siphe, siphe. Kukhona izinto ezintathu ezingasuthi, nezine ezingasho ukuthi: Kwanele! :

16 indawo yabafileyo, nesizalo esiyinyumba, nomhlaba ongasuthi ngamanzi, nomlilo ongasho ukuthi: Kwanele!

17 Iso eliklolodela uyise nelidelela ukulalela unina liyakukhishwa ngamagwababa angasemfuleni, lidliwe ngamazinyane okhozi.

18 Kukhona izinto ezintathu ezingahlula ngokumangalisa, yebo, ezine engingazaziyo:

19indlela yokhozi emoyeni, nendlela yenyoka edwaleni, nendlela yomkhumbi

meio do mar e o caminho do homem com uma donzela.

[20] Tal é o caminho da mulher adúltera: come, e limpa a boca, e diz: Não cometi maldade.

[21] Sob três coisas estremece a terra, sim, sob quatro não pode subsistir:

[22] sob o servo quando se torna rei; sob o insensato quando anda farto de pão;

[23] sob a mulher desdenhada quando se casa; sob a serva quando se torna herdeira da sua senhora.

[24] Há quatro coisas mui pequenas na terra que, porém, são mais sábias que os sábios:

[25] as formigas, povo sem força; todavia, no verão preparam a sua comida;

[26] os arganazes, povo não poderoso; contudo, fazem a sua casa nas rochas;

[27] os gafanhotos não têm rei; contudo, marcham todos em bandos;

[28] o geco, que se apanha com as mãos; contudo, está nos palácios dos reis.

[29] Há três que têm passo elegante, sim, quatro que andam airosamente:

[30] O leão, o mais forte entre os animais, que por ninguém torna atrás;

[31] o galo, que anda ereto, o bode e o rei, a quem não se pode resistir.

[32] Se procedeste insensatamente em te exaltares ou se maquinaste o mal, põe a mão na boca.

phakathi kolwandle, nendlela yendoda entombini.

[20] Inje indlela yowesifazane ophingayo: uyadla, abesesula umlomo wakhe, athi: Angenzanga isono.

[21] Phansi kwezinto ezintathu umhlaba uyazamazama, yebo, phansi kwezine ongezithwale:

[22] phansi kwenceku ekubekweni kwayo inkosi, nesiwula uma sisuthile ngokudla,

[23]naphansi kwesaliwakazi ekuganeni kwaso, nencekukazi ekulidleni ifa lenkosikazi yayo.

[24] Kukhona izinto ezine ezincane emhlabeni, kepha zihlakaniphile kakhulu:

[25] izintuthwane ziyisizwe esingenamandla, kanti ziyalungisa ukudla kwazo ehlobo;

[26]izimbila ziyisizwe esibuthakathaka, kanti ziyakha izindlu zazo edwaleni;

[27]izinkumbi azinankosi, kanti ziyaphuma zonke ngamaviyo;

[28]isibankwa ungasibamba ngezandla zombili, kanti sisendlini yenkosi.

[29] Kukhona izinto ezintathu ezinyathela ngesizotha, yebo, ezine ezihamba ngesithunzi:

[30]ingonyama, iqhawe ezilwaneni; ayihlehli nakusiphi;

[31] nehhashi lempi kanye nempongo, nenkosi phambi kwempi yayo.

[32] Uma wenzile ubuwula ngokuziphakamisa. wacabanga okubi, beka isandla emlonyeni wakho.

[33] Porque o bater do leite produz manteiga, e o torcer do nariz produz sangue, e o açular a ira produz contendas.

[33]Ngokuba ukuphehla ubisi kuveza iphehlwa, nokucindezelwa kwempumulo kuveza igazi; kanjalo ukucindezela ulaka kuveza ukuxabana.

Provérbios 31

Conselhos para o rei Lemuel

[1] Palavras do rei Lemuel, de Massá, as quais lhe ensinou sua mãe.

[2] Que te direi, filho meu? Ó filho do meu ventre? Que te direi, ó filho dos meus votos?

[3] Não dês às mulheres a tua força, nem os teus caminhos, às que destroem os reis.

[4] Não é próprio dos reis, ó Lemuel, não é próprio dos reis beber vinho, nem dos príncipes desejar bebida forte.

[5] Para que não bebam, e se esqueçam da lei, e pervertam o direito de todos os aflitos.

[6] Dai bebida forte aos que perecem e vinho, aos amargurados de espírito;

[7] para que bebam, e se esqueçam da sua pobreza, e de suas fadigas não se lembrem mais.

[8] Abre a boca a favor do mudo, pelo direito de todos os que se acham desamparados.

[9] Abre a boca, julga retamente e faze justiça aos pobres e aos necessitados.

O louvor da mulher virtuosa

[10] Mulher virtuosa, quem a achará? O seu valor muito excede o de finas jóias.

IzAga 31

Amazwi kaLemuweli

[1]Amazwi kaLemuweli, inkosi yaseMasa, awafundiswa ngunina.

[2] Yini, ndodana yami, yini, ndodana yesizalo sami, yini, ndodana yezithembiso zami, na?

[3] Unganiki abesifazane amandla akho, nezindlela zakho kwababhubhisa amakhosi.

[4] Akusikho okwamakhosi, Lemuweli, akusikho okwamakhosi ukuphuza iwayini, nokwababusi ukufisa uphuzo olunamandla,

[5] funa baphuze, bakhohlwe izimiso, baguqule ukwahlulelwa kwabantwana bokuhlupheka.

[6]Mnike obhubhayo uphuzo olunamandla nomunyu enhliziyweni iwayini.

[7]Makaphuze akhohlwe ubumpofu bakhe, angabe esakhumbula usizi lwakhe.

[8] Sivulele isimungulu umlomo wakho, umele bonke abantwana abayizintandane.

[9] Vula umlomo wakho, wahlulele ngokulunga, umele abahluphekayo nabampofu.

Ukudunyiswa kowesifazane okhutheleyo

[10] Ngubani ongathola umfazi okhutheleyo na? Ngokuba inani lakhe lidlula kakhulu amarubi.

[11] O coração do seu marido confia nela, e não haverá falta de ganho.
[12] Ela lhe faz bem e não mal, todos os dias da sua vida.
[13] Busca lã e linho e de bom grado trabalha com as mãos.
[14] É como o navio mercante: de longe traz o seu pão.
[15] É ainda noite, e já se levanta, e dá mantimento à sua casa e a tarefa às suas servas.
[16] Examina uma propriedade e adquire-a; planta uma vinha com as rendas do seu trabalho.
[17] Cinge os lombos de força e fortalece os braços.
[18] Ela percebe que o seu ganho é bom; a sua lâmpada não se apaga de noite.
[19] Estende as mãos ao fuso, mãos que pegam na roca.
[20] Abre a mão ao aflito; e ainda a estende ao necessitado.
[21] No tocante à sua casa, não teme a neve, pois todos andam vestidos de lã escarlate.
[22] Faz para si cobertas, veste-se de linho fino e de púrpura.
[23] Seu marido é estimado entre os juízes, quando se assenta com os anciãos da terra.
[24] Ela faz roupas de linho fino, e vende-as, e dá cintas aos mercadores.

[11] Inhliziyo yendoda yakhe iyethemba kuye; ayiyikuswela inzuzo.
[12]Uyayenzela okuhle, kungabi ngokubi, zonke izinsuku zokuphila kwakhe.
[13]Ufuna uboya bezimvu nefilakisi; usebenza ngezandla ezivumayo.
[14]Unjengemikhumbi yabathengi; ulanda kude ukudla kwakhe.
[15]Uyavuka kuse sebusuku, aphe abendlu yakhe ukudla namantombazana akhe imisebenzi yawo.
[16]Ucabanga ngensimu, ayithenge; ngesithelo sezandla zakhe utshala isivini,
[17]Uyabhinca okhalweni amandla; uyaqinisa izingalo zakhe.
[18]Uyabona ukuthi ukuphatha kwakhe kunenzuzo; isibani sakhe asicimeki nasebusuku.
[19]Uyabeka izandla zakhe othini lokuphotha izintambo, neminwe yakhe ibamba insimbi.
[20]Ohluphekayo uyamvulela isandla sakhe, yebo, uzelulela abampofu izandla zakhe.
[21]Akesatshiswa ngabendlu yakhe ngungqoqwane; ngokuba bonke abendlu yakhe bembathiswa okubomvu.
[22]Uyazenzela izindwangu ezimbozayo; izambatho zakhe ziyilineni elicolekileyo nokububende.
[23]Indoda yakhe iyaziwa emasangweni, lapho ihlezi namalunga ezwe.
[24]Wenza izingubo zelineni, athengise ngazo, anikele kubathengi amabhande.

[25] A força e a dignidade são os seus vestidos, e, quanto ao dia de amanhã, não tem preocupações.

[26] Fala com sabedoria, e a instrução da bondade está na sua língua.

[27] Atende ao bom andamento da sua casa e não come o pão da preguiça.

[28] Levantam-se seus filhos e lhe chamam ditosa; seu marido a louva, dizendo:

[29] Muitas mulheres procedem virtuosamente, mas tu a todas sobrepujas.

[30] Enganosa é a graça, e vã, a formosura, mas a mulher que teme ao SENHOR, essa será louvada.

[31] Dai-lhe do fruto das suas mãos, e de público a louvarão as suas obras.

[25]Amandla nesithunzi kungukwembatha kwakhe; uhleka usuku oluzayo.

[26]Uyawuvula umlomo wakhe ngokuhlakanipha, nomthetho womusa usolimini lwakhe.

[27]Uyaqaphela okwenziwayo endlini yakhe, akadli isinkwa sobuvila.

[28]Abantwana bakhe bayasukuma, bambusise; nendoda yakhe iyamdumisa ngokuthi:

[29] Baningi abafazi abakhutheleyo, kepha wena ubadlula bonke.

[30] Ubuhle buyinkohliso, nokubukeka kuyize, kepha owesifazane owesaba uJehova uyakudunyiswa.

[31]Muphe ezithelweni zezandla zakhe, izenzo zakhe zimdumise emasangweni.

Livro do Eclesiastes ou o Pregador	UmShumayeli

Eclesiastes 1

Tudo é vaidade

[1] Palavra do Pregador, filho de Davi, rei de Jerusalém:

[2] Vaidade de vaidades, diz o Pregador; vaidade de vaidades, tudo é vaidade.

[3] Estando as nuvens cheias, derramam aguaceiro sobre a terra; caindo a árvore para o sul ou para o norte, no lugar em que cair, aí ficará.

[15]Umshikashika weziwula uyaziqoba, ukuze zingazi nokuya emzini.

[16] Maye kuwe lizwe onkosi yakho ingumntwana, nezikhulu zakho zinedili ekuseni!

[17]Ubusisiwe wena lizwe onkosi yakho iyindodana yabakhulu, nezikhulu zakho zinedili ngesikhathi, ziziqinise, zingadakwa.

[18]Ngobuvila obukhulu indlu iyabola, nangokwenqena kwezandla iyavuza.

[19] Idili lenzelwa ukuhleka, newayini liyenamisa ukuphila, kepha imali iyimpendulo yakho konke.

[20] Ungayiqalekisi inkosi nasemicabangweni yakho, ungabathuki abacebileyo nasekamelweni lakho lokulala, ngokuba inyoni yezulu iyakulihambisa izwi, nokunamaphiko kuyakuyilanda indaba.

UmShumayeli 11

Konke kuyize leze

[1]Thuma isinkwa sakho ebusweni bamanzi, ngokuba uyakusifumana emva kwezinsuku eziningi.

[2] Yabela abayisikhombisa nabayisishiyagalombili, ngokuba awukwazi okubi okuyakuba semhlabeni.

[3]Uma amafu egcwele imvula, ayayithulula emhlabeni; futhi uma kuwa umuthi ngaseningizimu noma ngasenyakatho, endaweni lapho uwa khona umuthi, uyakuba lapho.

[4] Quem somente observa o vento nunca semeará, e o que olha para as nuvens nunca segará.

[4]Oqaphela umoya akayikuhlwanyela; obheka amafu kayikuvuna.

[5] Assim como tu não sabes qual o caminho do vento, nem como se formam os ossos no ventre da mulher grávida, assim também não sabes as obras de Deus, que faz todas as coisas.

[5] Njengalokhu ungazi indlela yomoya ukuthi iphi, nokubunjwa kwamathambo esizalweni sokhulelweyo, kanjalo awuyazi nemisebenzi kaNkulunkulu owenza konke.

[6] Semeia pela manhã a tua semente e à tarde não repouses a mão, porque não sabes qual prosperará; se esta, se aquela ou se ambas igualmente serão boas.

[6]Hlwanyela imbewu yakho kusasa, ungaphumuzi isandla sakho nakusihlwa, ngokuba awazi ukuthi yiyiphi eyakuphumelela, yilena noma yileyo, noma ziyakuba zinhle zombili ngokufanayo.

[7] Doce é a luz, e agradável aos olhos, ver o sol.

[7]Ukukhanya kumnandi, yebo, kuhle emehlweni ukubona ilanga.

[8] Ainda que o homem viva muitos anos, regozije-se em todos eles; contudo, deve lembrar-se de que há dias de trevas, porque serão muitos. Tudo quanto sucede é vaidade.

[8]Noma umuntu ekhona iminyaka eminingi, makathokoze ngayo yonke, akhumbule nokho nezinsuku zobumnyama ukuthi njengokuba ziziningi, konke okufikayo kuyize.

A mocidade

Iziluleko kwabasha

[9] Alegra-te, jovem, na tua juventude, e recreie-se o teu coração nos dias da tua mocidade; anda pelos caminhos que satisfazem ao teu coração e agradam aos teus olhos; sabe, porém, que de todas estas coisas Deus te pedirá contas.

[9] Thokoza, nsizwa, ebusheni bakho, inhliziyo yakho ikuphe ukwenama emihleni yobunsizwa bakho, uhambe ngezindlela zenhliziyo yakho njengokubona kwamehlo akho, kepha yazi ukuthi ngakho konke lokho uNkulunkulu uyakukungenisa ekwahlulelweni.

[10] Afasta, pois, do teu coração o desgosto e remove da tua carne a dor, porque a juventude e a primavera da vida são vaidade.

[10]Khipha usizi enhliziyweni yakho, udlulise okubi emzimbeni wakho, ngokuba ubusha nobunsizwa buyize.

Eclesiastes 12

UmShumayeli 12

A velhice

[1] Lembra-te do teu Criador nos dias da tua mocidade, antes que venham os maus dias, e cheguem os anos dos quais dirás: Não tenho neles prazer;

[2] antes que se escureçam o sol, a lua e as estrelas do esplendor da tua vida, e tornem a vir as nuvens depois do aguaceiro;

[3] no dia em que tremerem os guardas da casa, os teus braços, e se curvarem os homens outrora fortes, as tuas pernas, e cessarem os teus moedores da boca, por já serem poucos, e se escurecerem os teus olhos nas janelas;

[4] e os teus lábios, quais portas da rua, se fecharem; no dia em que não puderes falar em alta voz, te levantares à voz das aves, e todas as harmonias, filhas da música, te diminuírem;

[5] como também quando temeres o que é alto, e te espantares no caminho, e te embranqueceres, como floresce a amendoeira, e o gafanhoto te for um peso, e te perecer o apetite; porque vais à casa eterna, e os pranteadores andem rodeando pela praça;

[6] antes que se rompa o fio de prata, e se despedace o copo de ouro, e se quebre o cântaro junto à fonte, e se desfaça a roda junto ao poço,

[7] e o pó volte à terra, como o era, e o espírito volte a Deus, que o deu.

[1] Futhi khumbula uMdali wakho emihleni yobusha bakho, zingakafiki izinsuku ezimbi, ingakasondeli iminyaka osho ngayo ukuthi: Angithokozi ngayo;

[2]yebo, lingakabi mnyama ilanga, nokukhanya, nenyanga, nezinkanyezi, namafu engakabuyi emva kwemvula,

[3] ngalolo suku lapho abalindi bendlu beyakuthuthumela, amadoda anamandla agobe, abasilikazi bayeke ngokuba beyingcosana, abalunguza emafasiteleni bafiphazelwe,

[4]iminyango ivalwe esitaladini, lapho umsindo wokusila uncipha, umuntu avuke ngezwi lenyoni, izintombi zonke zokuhlabelela zithuliswe;

[5]nalapho abantu besaba imimango izesabiso zibe sendleleni, umalimondi ukhahlele, intethe itotobe, izithelo zesihlahla sekaphari zingabe zisaba namandla, ngokuba umuntu useya endlini yakhe ephakade, nabalilayo bazulazula esitaladini;

[6]yebo, lingakagqabuki igoda lesiliva, nokhamba lwegolide lungakaphahlazwa, nembiza ingakafi ngasemthonjeni, nesondo lingakaphuki ngasemgodini wamanzi,

[7] uthuli lubuyele emhlabathini, njengokuba lwalunjalo, umoya ubuyele kuNkulunkulu owawunikayo.

[8] Vaidade de vaidade, diz o Pregador, tudo é vaidade.

Conclusão

[9] O Pregador, além de sábio, ainda ensinou ao povo o conhecimento; e, atentando e esquadrinhando, compôs muitos provérbios.

[10] Procurou o Pregador achar palavras agradáveis e escrever com retidão palavras de verdade.

[11] As palavras dos sábios são como aguilhões, e como pregos bem fixados as sentenças coligidas, dadas pelo único Pastor.

[12] Demais, filho meu, atenta: não há limite para fazer livros, e o muito estudar é enfado da carne.

[13] De tudo o que se tem ouvido, a suma é: Teme a Deus e guarda os seus mandamentos; porque isto é o dever de todo homem.

[14] Porque Deus há de trazer a juízo todas as obras, até as que estão escondidas, quer sejam boas, quer sejam más.

[8] Ize leze, usho uMshumayeli, konke kuyize.

[9] Futhi ngokuba uMshumayeli wayehlakaniphile, wayefundisa abantu ukwazi, wazindla, waphenya walungisa izaga eziningi.

[10]UMshumayeli wafuna ukuthola amazwi anamisayo afanele ukulotshwa, amazwi eqiniso.

[11] Amazwi abahlakaniphileyo anjengezincijo, nezigaba zawo zinjengezipikili ezinamatheleyo, ephiwe nguMalusi munye.

[12]Kepha phezu kwalana, ndodana yami, mawuxwaye; ukwenza izincwadi eziningi akunakuphela, nokufunda okuningi kukhathaza umzimba.

[13] Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele konke: Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakhe, ngokuba lokho kungokwabantu bonke.

[14] Ngokuba uNkulunkulu uyakuyisa uyakuyisa yonke imisebenzi ekwahlulelweni kanye nakho konke okufihliweyo, noma kuhle noma kubi.

Cântico dos Cânticos de Salomão	IsiHlabelelo seziHlabelelo

Cântico 1

[1] Cântico dos cânticos de Salomão.

Primeiro cântico

Esposa

[2] Beija-me com os beijos de tua boca; porque melhor é o teu amor do que o vinho.

[3] Suave é o aroma dos teus ungüentos, como ungüento derramado é o teu nome; por isso, as donzelas te amam.

[4] Leva-me após ti, apressemo-nos. O rei me introduziu nas suas recâmaras.

Coro

Em ti nos regozijaremos e nos alegraremos; do teu amor nos lembraremos, mais do que do vinho; não é sem razão que te amam.

Esposa

[5] Eu estou morena e formosa, ó filhas de Jerusalém, como as tendas de Quedar, como as cortinas de Salomão.

[6] Não olheis para o eu estar morena, porque o sol me queimou. Os filhos de minha mãe se indignaram contra mim e me puseram por guarda de vinhas; a vinha, porém, que me pertence, não a guardei.

[7] Dize-me, ó amado de minha alma: onde apascentas o teu rebanho, onde o fazes repousar pelo meio-dia, para que não ande

IsiHlabelelo seziHlabelelo 1

Umakoti ulangazelela umyeni

[1]Isihlabelelo sezihlabelelo esingesikaSolomoni.

Umakoti:

[2]Makangange ngokwanga komlomo wakhe! Ngokuba uthando lwakho lumnandi kunewayini.

[3]Amafutha akho anephunga elimnandi; igama lakho linjengamafutha athululiweyo; ngalokho izintombi ziyakuthanda.

[4]Ngidonse emva kwakho, sigijime; inkosi isingingenisile emakamelweni ayo.

Abangane:

Siyakujabula, sithokoze ngawe, sikhulume ngothando lwakho kunewayini.

Umakoti:

Kufanele ukuba bakuthande.

[5] Ngimnyama, kepha ngimuhle, madodakazi aseJerusalema, njengamatende akwaKedari, njengezilenge zikaSolomoni.

[6] Ningangibuki ukuthi ngimnyamana, ngokuba ilanga lingifusile. Amadodana kamame angifutha, angenza umlindizivini, kepha isivini esingesami angisilindanga.

[7]Ngitshele wena othandwa ngumphefumulo wami ukuthi waluselaphi, uphumuzaphi umhlambi emini, ngokuba yini ukuba ngibe

eu vagando junto ao rebanho dos teus companheiros?

Esposo

[8] Se tu não o sabes, ó mais formosa entre as mulheres, sai-te pelas pisadas dos rebanhos e apascenta os teus cabritos junto às tendas dos pastores.

[9] Às éguas dos carros de Faraó te comparo, ó querida minha.

[10] Formosas são as tuas faces entre os teus enfeites, o teu pescoço, com os colares.

[11] Enfeites de ouro te faremos, com incrustações de prata.

Esposa

[12] Enquanto o rei está assentado à sua mesa, o meu nardo exala o seu perfume.

[13] O meu amado é para mim um saquitel de mirra, posto entre os meus seios.

[14] Como um racimo de flores de hena nas vinhas de En-Gedi, é para mim o meu amado.

Esposo

[15] Eis que és formosa, ó querida minha, eis que és formosa; os teus olhos são como os das pombas.

Esposa

[16] Como és formoso, amado meu, como és amável! O nosso leito é de viçosas folhas,

[17] as traves da nossa casa são de cedro, e os seus caibros, de cipreste.

Cântico 2

njengowesifazane odukileyo ngasemihlambini yabangane bakho na?

Abangane:

[8]Uma ungakwazi wena muhlekazi phakathi kwabesifazane, phuma uhambe ezinyathelweni zomhlambi, waluse amazinyane akho ngasematendeni abelusi.

Ukuphendulana komyeni nomakoti Umnyeni:

[9] Ngikufanisa nehhashi lensikazi lezinqola zikaFaro, sithandwa sami.

[10]Izihlathi zakho zinhle kangakanani zinezintambo zobuhlalu, nentamo yakho ineminaka.

[11]Siyakukwenzela izintambo zobuhlalu begolide, namaqhosha esiliva.

Umakoti:

[12]Inkosi isahlezi ngasetafuleni layo inadi lami lathaphuka iphunga lalo.

[13]Othandiweyo wami ungumshuqulu wemure kimi, olele phakathi kwamabele ami.

[14]Othandiweyo wami uyihlukuzo lezimbali zehena ezivinini zase-Eni Gedi.

Umnyeni:

[15] Bheka, umuhle, sithandwa sami! Bheka, umuhle! Unamehlo amajuba.

Umakoti:

[16]Bheka, umuhle, othandiweyo wami! Yebo, umnandi, nesilili sethu siluhlaza.

Umnyeni:

[17]Imishayo yendlu yethu iyimisedari, nemiqhadi iyimisayipuresi.

IsiHlabelelo seziHlabelelo 2

Umakoti:

[1] Eu sou a rosa de Sarom, o lírio dos vales.

Esposo

[2] Qual o lírio entre os espinhos, tal é a minha querida entre as donzelas.

Esposa

[3] Qual a macieira entre as árvores do bosque, tal é o meu amado entre os jovens; desejo muito a sua sombra e debaixo dela me assento, e o seu fruto é doce ao meu paladar.

[4] Leva-me à sala do banquete, e o seu estandarte sobre mim é o amor.

[5] Sustentai-me com passas, confortai-me com maçãs, pois desfaleço de amor.

[6] A sua mão esquerda esteja debaixo da minha cabeça, e a direita me abrace.

[7] Conjuro-vos, ó filhas de Jerusalém, pelas gazelas e cervas do campo, que não acordeis, nem desperteis o amor, até que este o queira.

Segundo cântico

[8] Ouço a voz do meu amado; ei-lo aí galgando os montes, pulando sobre os outeiros.

[9] O meu amado é semelhante ao gamo ou ao filho da gazela; eis que está detrás da nossa parede, olhando pelas janelas, espreitando pelas grades.

[10] O meu amado fala e me diz:

Esposo

[1]Ngiyintebe yaseSharoni, nomnduze wezigodi.

Umnyeni:

[2]Njengomnduze phakathi kwameva, sinjalo isithandwa sami phakathi kwezintombi.

[3]Njengomapula phakathi kwemithi yasehlathini, unjalo othandiweyo wami phakathi kwamadodana. Ngahlala phansi emthunzini wakhe ngokwenama okukhulu, nesithelo sakhe sasimnandi emlonyeni wami.

[4]Ungingenisile endlini yewayini, nebhandela lakhe phezu kwami liluthando.

[5] Ngiphaseni ngezigaxa zezithelo zomvini ezomileyo, ngihlumelele ngama-apula, ngokuba ngiyafa uthando.

[6] Isandla sakhe sokhohlo siphansi kwekhanda lami, nesokunene siyangigona.

[7] Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, ngezinsephe nangezindluzelekazi zasendle ukuba ningalunyakazisi, ningaluvusi uthando, lungakavumi.

Isihlabelelo sothando somakoti

[8]Nanto izwi lothandiweyo wami! Bheka, uyeza eqa ezintabeni, etshekula emagqumeni.

[9]Othandiweyo wami unjengensephe noma njengesixhumu sendluzele; bheka, umi emva kodonga lwakwethu; uyalunguza emafasiteleni, ubonakala ngaseheleni.

Levanta-te, querida minha, formosa minha, e vem.

[11] Porque eis que passou o inverno, cessou a chuva e se foi;
[12] aparecem as flores na terra, chegou o tempo de cantarem as aves, e a voz da rola ouve-se em nossa terra.

[13] A figueira começou a dar seus figos, e as vides em flor exalam o seu aroma; levanta-te, querida minha, formosa minha, e vem.

[14] Pomba minha, que andas pelas fendas dos penhascos, no esconderijo das rochas escarpadas, mostra-me o rosto, faze-me ouvir a tua voz, porque a tua voz é doce, e o teu rosto, amável.

Esposa

[15] Apanhai-me as raposas, as raposinhas, que devastam os vinhedos, porque as nossas vinhas estão em flor.

[16] O meu amado é meu, e eu sou dele; ele apascenta o seu rebanho entre os lírios.

[17] Antes que refresque o dia e fujam as sombras, volta, amado meu; faze-te semelhante ao gamo ou ao filho das gazelas sobre os montes escabrosos.

Cântico 3

[1] De noite, no meu leito, busquei o amado de minha alma, busquei-o e não o achei.

[2] Levantar-me-ei, pois, e rodearei a cidade, pelas ruas e pelas praças; buscarei o

[10]Othandiweyo wami wakhuluma, wathi kimi: Vuka, sithandwa sami, muhlekazi wami; woza sihambe,
[11]ngokuba bheka, ubusika budlulile; imvula isiphelile, yamuka;
[12]izimbali ziyabonakala emhlabeni, nesikhathi sokuthena imivini sesisondele, nezwi lehobhe liyezwakala ezweni lakithi.
[13]Umkhiwane uthela amakhiwane awo aluhlaza, imivini inezimbali, ithaphuka iphunga layo; vuka, sithandwa sami, muhlekazi wami; woza sihambe.

Umnyeni:

[14] Juba lami elisemifantwini yamadwala nasekusithekeni kweziwa, mangibone ubuso bakho, ngizwe izwi lakho, ngokuba izwi lakho limnandi, nobuso bakho buhle.

[15]Sibambeleni izimpungushe, izimpungushe ezincane ezichitha izivini, ngokuba izivini zethu zinezimbali.

Umakoti:

[16] Othandiweyo wami ungowami, mina ngingowakhe; uyalusa phakathi kweminduze.
[17] Kuze kuphole ilanga, namathunzi abaleke, mawube njengensephe, wena othandiweyo wami, nanjengesixhumu sendluzele ezintabeni eziqhekezekileyo.

IsiHlabelelo seziHlabelelo 3

[1] Ebusuku embhedeni wami ngamfuna othandwa ngumphefumulo wami; ngamfuna, kepha angimtholanga.
[2]Ngiyakuvuka, ngihambahambe emzini, ezitaladini nasezigcawini; ngiyakufuna

amado da minha alma. Busquei-o e não o achei.

[3] Encontraram-me os guardas, que rondavam pela cidade. Então, lhes perguntei: vistes o amado da minha alma?

[4] Mal os deixei, encontrei logo o amado da minha alma; agarrei-me a ele e não o deixei ir embora, até que o fiz entrar em casa de minha mãe e na recâmara daquela que me concebeu.

[5] Conjuro-vos, ó filhas de Jerusalém, pelas gazelas e cervas do campo, que não acordeis, nem desperteis o amor, até que este o queira.

Terceiro cântico

Coro

[6] Que é isso que sobe do deserto, como colunas de fumaça, perfumado de mirra, e de incenso, e de toda sorte de pós aromáticos do mercador?

[7] É a liteira de Salomão; sessenta valentes estão ao redor dela, dos valentes de Israel.

[8] Todos sabem manejar a espada e são destros na guerra; cada um leva a espada à cinta, por causa dos temores noturnos.

[9] O rei Salomão fez para si um palanquim de madeira do Líbano.

[10] Fez-lhe as colunas de prata, a espalda de ouro, o assento de púrpura, e tudo interiormente ornado com amor pelas filhas de Jerusalém.

othandwa ngumphefumulo wami; ngamfuna, kepha angimtholanga.

[3] Abalindi bangifumana behambahamba emzini: Nimbonile othandwa ngumphefumulo wami na?

[4] Ngangidlule kancane nje kubo; ngase ngimthola othandwa ngumphefumulo wami; ngambamba, angivumanga ukuba ahambe, ngaze ngamngenisa endlini kamame nasekamelweni lowangikhulisayo.

[5] Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, ngezinsephe nangezindluzelekazi zasendle ukuba ningalunyakazisi, ningaluvusi uthando, lungakavumi.

Udwendwe lomthimba

[6]Ngubani owenyuka ehlane njengezinsika zomusi, eqhole ngemure nangenhlaka, nangawo onke amakha omthengi, na?

[7]Bheka, luhlaka lukaSolomoni! Amaqhawe angamashumi ayisithupha aluzungezile emaqhaweni akwa-Israyeli.

[8]Onke aphethe izinkemba, afundile ukulwa; yilowo nalowo muntu unenkemba yakhe okhalweni lwakhe ngokwesaba ebusuku.

[9]Inkosi uSolomoni izenzele uhlaka ngemithi yaseLebanoni.

[10]Yenza izinsika zalo ngesiliva, nephansi lalo ngegolide, nesihlalo salo ngokububende, ubuphakathi balo bugandaywe ngothando lwamadodakazi aseJerusalema.

[11] Saí, ó filhas de Sião, e contemplai ao rei Salomão com a coroa com que sua mãe o coroou no dia do seu desposório, no dia do júbilo do seu coração.

Cântico 4

Esposo

[1] Como és formosa, querida minha, como és formosa! Os teus olhos são como os das pombas e brilham através do teu véu. Os teus cabelos são como o rebanho de cabras que descem ondeantes do monte de Gileade.

[2] São os teus dentes como o rebanho das ovelhas recém-tosquiadas, que sobem do lavadouro, e das quais todas produzem gêmeos, e nenhuma delas há sem crias.

[3] Os teus lábios são como um fio de escarlata, e tua boca é formosa; as tuas faces, como romã partida, brilham através do véu.

[4] O teu pescoço é como a torre de Davi, edificada para arsenal; mil escudos pendem dela, todos broquéis de soldados valorosos.

[5] Os teus dois seios são como duas crias, gêmeas de uma gazela, que se apascentam entre os lírios.

Esposa

[6] Antes que refresque o dia, e fujam as sombras, irei ao monte da mirra e ao outeiro do incenso.

Esposo

[11]Phumani nina madodakazi aseJerusalema, nibone inkosi uSolomoni, inomqhele eyawuqheliswa ngunina ngosuku lokugcagca kwayo nangomhla wokuthokoza kwenhliziyo yayo.

IsiHlabelelo seziHlabelelo 4

Isihlabelelo somyeni ngobuhle bomakoti
Umnyeni:

[1] Bheka, umuhle, sithandwa sami! Bheka, umuhle! Unamehlo amajuba emva kwemvakazi yakho; izinwele zakho zinjengomhlambi wezimbuzi owehla entabeni yakwaGileyadi.

[2]Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvukazi ezisand ukugundwa, ezikhuphuka zigeziwe, zinamawele zonke, kungekho neyodwa phakathi kwazo efelweyo.

[3]Izindebe zakho zinjengomucu obomvu, umlomo wakho muhle; izihlathi zakho zinjengenxenye yepomegranati emva kwemvakazi yakho.

[4] Intamo yakho injengombhoshongo kaDavide owakhiwe ngemihlobiso, okuphanyekwa kuwo amahawu ayinkulungwane, onke eyizihlangu zamaqhawe.

[5] Amabele akho amabili anjengezixhumu ezimbili ezingamawele ensephe, ezidla phakathi kweminduze.

[6] Lize liphole ilanga namathunzi abaleke, ngiyakuya entabeni yemure nasegqumeni lenhlaka.

[7] Tu és toda formosa, querida minha, e em ti não há defeito.

[8] Vem comigo do Líbano, noiva minha, vem comigo do Líbano; olha do cimo do Amana, do cimo do Senir e do Hermom, dos covis dos leões, dos montes dos leopardos.

[9] Arrebataste-me o coração, minha irmã, noiva minha; arrebataste-me o coração com um só dos teus olhares, com uma só pérola do teu colar.

[10] Que belo é o teu amor, ó minha irmã, noiva minha! Quanto melhor é o teu amor do que o vinho, e o aroma dos teus ungüentos do que toda sorte de especiarias!

[11] Os teus lábios, noiva minha, destilam mel. Mel e leite se acham debaixo da tua língua, e a fragrância dos teus vestidos é como a do Líbano.

[12] Jardim fechado és tu, minha irmã, noiva minha, manancial recluso, fonte selada.

[13] Os teus renovos são um pomar de romãs, com frutos excelentes: a hena e o nardo;

[14] o nardo e o açafrão, o cálamo e o cinamomo, com toda a sorte de árvores de incenso, a mirra e o aloés, com todas as principais especiarias.

[15] És fonte dos jardins, poço das águas vivas, torrentes que correm do Líbano!

Esposa

[7]Umuhle wonke, sithandwa sami, akukho sisihla kuwe.

[8] Woza umuke nami eLebanoni, makoti wami, umuke nami eLebanoni, wehle esiqongweni sase-Amana, nasesiqongweni saseSeniri naseHermoni, simuke emihumeni yezingonyama, nasezintabeni zezingwe.

[9]Ungaphucile inhliziyo yami, dadewethu, makoti wami; ungaphucile inhliziyo yami ngelinye lamehlo akho, ngomgexo munye wentamo yakho.

[10] Lumnandi kangakanani uthando lwakho, dadewethu, makoti wami! Luhle kangakanani uthando lwakho, kunewayini, nephunga lamafutha akho kunamakha onke!

[11] Izindebe zakho, makoti wami, ziyaconsa izinyosi; uju nobisi kukhona phansi kolimi lwakho, nephunga lezambatho zakho linjengephunga laseLebanoni.

[12]Uyinsimu ehluthulelweyo, dadewethu, makoti wami, umthombo ohluthulelweyo nesiphethu esibekwe uphawu.

[13]Amahlumela akho ayihlathi lamapomegranati anezithelo ezinqabileyo, ihena kanye nenadi,

[14]inadi nesafroni, nomhlanga nokinamona, kanye nemithi yonke yenhlaka, nemure nomhlaba, nawo onke amakha amahle.

[15]Siphethu sensimu, mthombo wamanzi aphilayo, sifufula saseLebanoni!

Ukuphendulana komyeni nomakoti Umakoti:

[16] Levanta-te, vento norte, e vem tu, vento sul; assopra no meu jardim, para que se derramem os seus aromas. Ah! Venha o meu amado para o seu jardim e coma os seus frutos excelentes!

Cântico 5

Esposo

[1] Já entrei no meu jardim, minha irmã, noiva minha; colhi a minha mirra com a especiaria, comi o meu favo com o mel, bebi o meu vinho com o leite. Comei e bebei, amigos; bebei fartamente, ó amados.

Quarto cântico

Esposa

[2] Eu dormia, mas o meu coração velava; eis a voz do meu amado, que está batendo:

Esposo

Abre-me, minha irmã, querida minha, pomba minha, imaculada minha, porque a minha cabeça está cheia de orvalho, os meus cabelos, das gotas da noite.

Esposa

[3] Já despi a minha túnica, hei de vesti-la outra vez? Já lavei os pés, tornarei a sujá-los?

[4] O meu amado meteu a mão por uma fresta, e o meu coração se comoveu por amor dele.

[5] Levantei-me para abrir ao meu amado; as minhas mãos destilavam mirra, e os meus dedos mirra preciosa sobre a maçaneta do ferrolho.

[16] Vuka, moya wasenyakatho, uze wena Ningizimu, uphephethe ensimini yami, ukuze amakha ayo athaphuke; othandiweyo wami makangene ensimini yakhe, adle izithelo zayo ezinqabileyo.

IsiHlabelelo seziHlabelelo 5

Umnyeni:

[1]Sengingenile ensimini yami, dadewethu, makoti wami; ngiyabutha imure lami namakha ami, ngiyadla amakhekheba ami kanye nezinyosi zami, ngiyaphuza iwayini lami kanye nobisi lwami.

Abangane:

Yidlani, bangane, niphuze, nisuthe ngothando.

Ukulangazela komakoti Umakoti:

[2] Bengilele, kepha inhliziyo yami ibiphapheme; kuyizwi lothandiweyo wami elingqongqotha lithi: Ngivulele, dadewethu, sithandwa sami, juba lami, opheleleyo wami, ngokuba ikhanda lami ligcwele amazolo, nesihluthu sami amaconsi asebusuku.

[3]Ngikhumulile isambatho sami, ngingasifaka kanjani? Ngigezile izinyawo zami, ngingazingcoliselani na?

[4]Othandiweyo wayesengenisa isandla sakhe embotsheni, izibilini zami zamhawukela.

[5]Ngavuka ukumvulela othandiweyo wami; izandla zami zaconsa imure, neminwe yami imure elimanzi phezu kwezibambo zesihluthulelo.

[6] Abri ao meu amado, mas já ele se retirara e tinha ido embora; a minha alma se derreteu quando, antes, ele me falou; busquei-o e não o achei; chamei-o, e não me respondeu.

[7] Encontraram-me os guardas que rondavam pela cidade; espancaram-me e feriram-me; tiraram-me o manto os guardas dos muros.

[8] Conjuro-vos, ó filhas de Jerusalém, se encontrardes o meu amado, que lhe direis? Que desfaleço de amor.

Coro

[9] Que é o teu amado mais do que outro amado, ó tu, a mais formosa entre as mulheres? Que é o teu amado mais do que outro amado, que tanto nos conjuras?

Esposa

[10] O meu amado é alvo e rosado, o mais distinguido entre dez mil.

[11] A sua cabeça é como o ouro mais apurado, os seus cabelos, cachos de palmeira, são pretos como o corvo.

[12] Os seus olhos são como os das pombas junto às correntes das águas, lavados em leite, postos em engaste.

[13] As suas faces são como um canteiro de bálsamo, como colinas de ervas aromáticas; os seus lábios são lírios que gotejam mirra preciosa;

[6] Ngamvulela-ke othandiweyo wami, kepha othandiweyo wami ubephendukile, wamuka; umphefumulo wami wawuphela ngokukhuluma kwakhe, ngamfuna, kepha angamthola; ngambiza, kodwa akaphendula.

[7] Abalindi bangifumana behambahamba emzini, bangishaya, bangilimaza; abalindi bezingange bangaphuca imvakazi yami.

Ukuphendulana komyeni nomakoti

[8] Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, uma nimfumana othandiweyo wami, ukuba nimtshele ukuthi ngiyafa uthando.

Abangane:

[9]Othandiweyo wakho udlula ngani omunye, wena muhlekazi phakathi kwabesifazane, na? Othandiweyo wakho udlula kuphi omunye ukuba usifungise kanjalo na?

Umakoti:

[10]Othandiweyo wami uyakhazimula ngobumhlophe, ubomvu, uyabonakala phakathi kwezigidi.

[11]Ikhanda lakhe liyigolide elihle elicwengekileyo; isihluthu sakhe sinententezo, simnyama njengegwababa.

[12]Amehlo akhe anjengamajuba ngasemifuleni yamanzi, ageziwe ngobisi ehlezi ngasemifudlaneni egcweleyo.

[13]Izihlathi zakhe ziyizindima zamakha ezithaphuka iphunga, nezindebe zakhe ziyiminduze econsa imure elimanzi.

[14] as suas mãos, cilindros de ouro, embutidos de jacintos; o seu ventre, como alvo marfim, coberto de safiras.

[14]Izingalo zakhe ziyizindilinga zegolide, okufakwe kuzo amakrisolithe; isidumbu sakhe sinjengokwenziwe ngophondo lwendlovu, sembesiwe ngamasafire.

[15] As suas pernas, colunas de mármore, assentadas em bases de ouro puro; o seu aspecto, como o Líbano, esbelto como os cedros.

[15]Imilenze yakhe iyizinsika zetshe elimhlophe ezisekelwe ezinyaweni zegolide elihle; ukubukeka kwakhe kunjengeLebanoni, kukhethekile njengemisedari.

[16] O seu falar é muitíssimo doce; sim, ele é totalmente desejável. Tal é o meu amado, tal, o meu esposo, ó filhas de Jerusalém.

[16]Umlomo wakhe umnandi, uyanxaneleka wonke; yilowo ongothandiweyo wami, yilowo ongumngane wami, nina madodakazi aseJerusalema.

Cântico 6

Coro

[1] Para onde foi o teu amado, ó mais formosa entre as mulheres? Que rumo tomou o teu amado? E o buscaremos contigo.

Esposa

[2] O meu amado desceu ao seu jardim, aos canteiros de bálsamo, para pastorear nos jardins e para colher os lírios.

[3] Eu sou do meu amado, e o meu amado é meu; ele pastoreia entre os lírios.

Quinto cântico

Esposo

[4] Formosa és, querida minha, como Tirza, aprazível como Jerusalém, formidável como um exército com bandeiras.

[5] Desvia de mim os olhos, porque eles me perturbam. Os teus cabelos descem ondeantes como o rebanho das cabras de Gileade.

IsiHlabelelo seziHlabelelo 6

Abangane:

[1] Othandiweyo wakho uyephi, wena muhlekazi phakathi kwabesifazane; ushonephi othandiweyo wakho ukuba simfune kanye nawe na?

[2] Othandiweyo wami wehlele ensimini yakhe, ezindimeni zamakha, ukuba aluse ensimini, akhe iminduze.

Umakoti:

[3] Mina ngingowothandiweyo wami, nothandiweyo wami ungowami, lapho alusa phakathi kweminduze.

Umyeni ubabaza umakoti wakhe

[4] Umuhle, sithandwa sami, njengeTirisa, umnandi njengeJerusalema, kepha wesabeka njengezimpi.

[5]Susa amehlo akho kimi, ngokuba ayangiphaphathekisa; izinwele zakho zinjengomhlambi wezimbuzi owehla entabeni yakwaGileyadi.

[6] São os teus dentes como o rebanho de ovelhas que sobem do lavadouro, e das quais todas produzem gêmeos, e nenhuma delas há sem crias.

[7] As tuas faces, como romã partida, brilham através do véu.

[8] Sessenta são as rainhas, oitenta, as concubinas, e as virgens, sem número.

[9] Mas uma só é a minha pomba, a minha imaculada, de sua mãe, a única, a predileta daquela que a deu à luz; viram-na as donzelas e lhe chamaram ditosa; viram-na as rainhas e as concubinas e a louvaram.

Coro

[10] Quem é esta que aparece como a alva do dia, formosa como a lua, pura como o sol, formidável como um exército com bandeiras?

Esposa

[11] Desci ao jardim das nogueiras, para mirar os renovos do vale, para ver se brotavam as vides, se floresciam as romeiras.

[12] Não sei como, imaginei-me no carro do meu nobre povo!

Coro

[13] Volta, volta, ó sulamita, volta, volta, para que nós te contemplemos.

Esposa

Por que quereis contemplar a sulamita na dança de Maanaim?

Cântico 7

[6]Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvukazi ezikhuphuka zigeziwe, zinamawele zonke, kungekho neyodwa phakathi kwazo efelweyo.

[7]Izihlathi zakho zinjengenxenye yepomegranati emva kwemvakazi yakho.

[8] Amakhosikazi angamashumi ayisithupha, nezancinza zingamashumi ayisishiyagalombili, nezintombi azinakubalwa.

[9]Kepha ijuba lami, opheleleyo wami munye nje; ungoyedwa kunina, ungokhethiweyo wakhe owamzalayo. Amantombazana ayambona, athi ubusisiwe; amakhosikazi nezancinza bayamdumisa.

Abangane:

[10] Ngubani lo olunguza njengokusa, emuhle njengenyanga, ecwebile njengelanga, kepha esabeka njengezimpi, na?

Umnyeni:

[11]Ngehlela ensimini yamantongomane ukuyobona uhlaza lwesigodi, nokubona uma imivini iqhakazile, namapomegranati uma ekhahlele.

[12]Ngingakakwazi ukulangazela kwami kwangibeka enqoleni yabantu benkosana yami.

Abangane:

[13]Phenduka, phenduka, mShulamiti! Phenduka, phenduka ukuba sikubuke!

Umnyeni:

Nibonani kumShulamiti? Kunjengokusina kwaseMahanayimi.

IsiHlabelelo seziHlabelelo 7

Esposo

[1] Que formosos são os teus passos dados de sandálias, ó filha do príncipe! Os meneios dos teus quadris são como colares trabalhados por mãos de artista.

[2] O teu umbigo é taça redonda, a que não falta bebida; o teu ventre é monte de trigo, cercado de lírios.

[3] Os teus dois seios, como duas crias, gêmeas de uma gazela.

[4] O teu pescoço, como torre de marfim; os teus olhos são as piscinas de Hesbom, junto à porta de Bate-Rabim; o teu nariz, como a torre do Líbano, que olha para Damasco.

[5] A tua cabeça é como o monte Carmelo, a tua cabeleira, como a púrpura; um rei está preso nas tuas tranças.

[6] Quão formosa e quão aprazível és, ó amor em delícias!

[7] Esse teu porte é semelhante à palmeira, e os teus seios, a seus cachos.

[8] Dizia eu: subirei à palmeira, pegarei em seus ramos. Sejam os teus seios como os cachos da vide, e o aroma da tua respiração, como o das maçãs.

[9] Os teus beijos são como o bom vinho,

Esposa

Ubuhle bomakoti osinayo

[1]Zinhle kangakanani izinyawo zakho ezicathulweni zazo, wena ndodakazi yesikhulu! Amathanga akho ayizindilinga anjengemihlobiso, umsebenzi wezandla zengcweti.

[2]Inkaba yakho ingumkhele oncweliweyo, ongasweli iwayini elixutshanisiweyo; isisu sakho siyinqwaba kakolweni, ibiyelwe ngeminduze.

[3] Amabele akho amabili anjengezixhumu ezimbili ezingamawele ensephe.

[4] Intamo yakho injengoMbhoshongo woPhondo lweNdlovu; amehlo akho angamachibi aseHeshiboni ngasesangweni laseBati Rabimi; impumulo yakho injengombhoshongo waseLebanoni obhekene neDamaseku.

[5] Ikhanda lakho kuwe linjengeKarmeli, nomyeko wekhanda lakho unjengokububende; kuboshiwe inkosi ngesiyendane.

Umyeni ukhuluma ngothando lwakhe

[6] Umuhle, umnandi kangakanani wena othandwa ngenjabulo!

[7]Isimo sakho siyisundu, namabele akho omabili anjengamahlukuzo.

[8] Ngathi: Ngiyakukhwela esundwini, ngibambe amagatsha alo. Amabele akho mawabe ngamahlukuzo omvini, nephunga lokuphefumula kwakho njengama-apula,

vinho que se escoa suavemente para o meu amado, deslizando entre seus lábios e dentes.

[10] Eu sou do meu amado, e ele tem saudades de mim.

[11] Vem, ó meu amado, saiamos ao campo, passemos as noites nas aldeias.

[12] Levantemo-nos cedo de manhã para ir às vinhas; vejamos se florescem as vides, se se abre a flor, se já brotam as romeiras; dar-te-ei ali o meu amor.

[13] As mandrágoras exalam o seu perfume, e às nossas portas há toda sorte de excelentes frutos, novos e velhos; eu tos reservei, ó meu amado.

Cântico 8

[1] Tomara fosses como meu irmão, que mamou os seios de minha mãe! Quando te encontrasse na rua, beijar-te-ia, e não me desprezariam!

[2] Levar-te-ia e te introduziria na casa de minha mãe, e tu me ensinarias; eu te daria a beber vinho aromático e mosto das minhas romãs.

[3] A sua mão esquerda estaria debaixo da minha cabeça, e a sua direita me abraçaria.

[4] Conjuro-vos, ó filhas de Jerusalém, que não acordeis, nem desperteis o amor, até que este o queira.

Sexto cântico

Coro

[9]nomlomo wakho njengewayini elihle elihamba lehle kamnandi, lewuka ngezindebe nangamazinyo.

Umnyeni:

[10] Mina ngingowothandiweyo wami, uyanginxanela.

[11]Woza wena othandiweyo wami, siye endle, silale emizaneni.

[12]Masivuke ekuseni, siye ezivinini, sibone uma umvini uqhakazile, nezimbali zawo uma zivulekile, namapomegranati uma ekhahlele. Lapho ngiyakukunika uthando lwami.

[13]Amamandragora athaphuka iphunga, nangaseminyango yethu kukhona izinhlobo zonke zezithelo ezinqabileyo, ezintsha nezindala, engizibekele wena othandiweyo wami.

IsiHlabelelo seziHlabelelo 8

[1]Sengathi nga unjengomfowethu owancela amabele kamame! Uma bengikufumana phandle, bengiyakukwanga ngingadelelwa muntu.

[2] Bengiyakukuhola, ngikuyise endlini kamame; ubuyakungifundisa; bengiyakukuphuzisa iwayini eliyolisiweyo, amanzi ompomegranati wami.

[3] Isandla sakhe sokhohlo besiyakubaphansi kwekhanda lami, nesokunene sakhe besiyakungigona.

[4] Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, ukuba ningalunyakazisi, ningaluvusi uthando, lungakavumi.

Abangane:

[5] Quem é esta que sobe do deserto e vem encostada ao seu amado?

Esposo

Debaixo da macieira te despertei, ali esteve tua mãe com dores; ali esteve com dores aquela que te deu à luz.

[6] Põe-me como selo sobre o teu coração, como selo sobre o teu braço, porque o amor é forte como a morte, e duro como a sepultura, o ciúme; as suas brasas são brasas de fogo, são veementes labaredas.

[7] As muitas águas não poderiam apagar o amor, nem os rios, afogá-lo; ainda que alguém desse todos os bens da sua casa pelo amor, seria de todo desprezado.

Coro

[8] Temos uma irmãzinha que ainda não tem seios; que faremos a esta nossa irmã, no dia em que for pedida?

[9] Se ela for um muro, edificaremos sobre ele uma torre de prata; se for uma porta, cercá-la-emos com tábuas de cedro.

Esposa

[10] Eu sou um muro, e os meus seios, como as suas torres; sendo eu assim, fui tida por digna da confiança do meu amado.

Coro

[11] Teve Salomão uma vinha em Baal-Hamom; entregou-a a uns guardas, e cada um lhe trazia pelo seu fruto mil peças de prata.

Esposa

[5]Ngubani owenyuka ehlane encike kothandiweyo wakhe na?

Umakoti:

Phansi komapula ngakuvusa; lapho unyoko wayenemihelo ngawe, khona lapho wayenemihelo owakuzalayo.

[6]Ngifake njengophawu enhliziyweni yakho, njengophawu engalweni yakho, ngokuba uthando lunamandla njengokufa; isikhwele silukhuni njengendawo yabafileyo; amalangabi alo angamalangabi omlilo, ilangabi likaJehova.

[7]Amanzi amaningi awanakulucima uthando, nemifula ayinakuluminzisa; uma umuntu ebeyakunika yonke impahla yendlu yakhe ngothando, nokho ubeyakwaliwa nokwaliwa.

Umakoti nabafowabo Abangane:

[8]Sinodadewethu omncane, kanawo amabele; siyakwenza njani ngodadewethu ecelwa na?

[9]Uma elugange, siyakwakha phezu kwakhe umbhoshongwana wesiliva; uma eyisicabha, siyakumvalela ngamapulangwe omsedari.

Umakoti:

[10]Ngilugange, namabele ami anjengemibhoshongo; khona ngaba semehlweni akhe njengofumene ukuthula.

Ingcebo enkulu kunekaSolomoni

[11]USolomoni wayenesivini eBali Hamoni; wasinika isivini kubaphathi; baletha, kwaba yilowo nalowo, izinhlamvu eziyinkulungwane zesiliva ngezithelo zaso.

[12] A vinha que me pertence está ao meu dispor; tu, ó Salomão, terás os mil siclos, e os que guardam o fruto dela, duzentos.

Esposo

[13] Ó tu que habitas nos jardins, os companheiros estão atentos para ouvir a tua voz; faze-me, pois, também ouvi-la.

Esposa

[14] Vem depressa, amado meu, faze-te semelhante ao gamo ou ao filho da gazela, que saltam sobre os montes aromáticos.

[12]Isivini esingesami siphambi kwami; inkulungwane mayibe ngeyakho, Solomoni, namakhulu amabili abe ngawabaphathi bezithelo zaso.

Umyeni nomakoti bayabizana Umnyeni:

[13] Wena ohlala emasimini, abangane balalela izwi lakho; ake ungizwise lona.

Umakoti:

[14] Shesha, othandiweyo wami, ufane nensephe nesixhumo sendluzele ezintabeni zamakha.

Isaías	U-Isaya

Isaías 1

A nação pecaminosa

[1] Visão de Isaías, filho de Amoz, que ele teve a respeito de Judá e Jerusalém, nos dias de Uzias, Jotão, Acaz e Ezequias, reis de Judá.

[2] Ouvi, ó céus, e dá ouvidos, ó terra, porque o SENHOR é quem fala: Criei filhos e os engrandeci, mas eles estão revoltados contra mim.

[3] O boi conhece o seu possuidor, e o jumento, o dono da sua manjedoura; mas Israel não tem conhecimento, o meu povo não entende.

[4] Ai desta nação pecaminosa, povo carregado de iniqüidade, raça de malignos, filhos corruptores; abandonaram o SENHOR, blasfemaram do Santo de Israel, voltaram para trás.

[5] Por que haveis de ainda ser feridos, visto que continuais em rebeldia? Toda a cabeça está doente, e todo o coração, enfermo.

[6] Desde a planta do pé até à cabeça não há nele coisa sã, senão feridas, contusões e chagas inflamadas, umas e outras não espremidas, nem atadas, nem amolecidas com óleo.

[7] A vossa terra está assolada, as vossas cidades, consumidas pelo fogo; a vossa lavoura os estranhos devoram em vossa presença; e a terra se acha devastada como numa subversão de estranhos.

U-Isaya 1

Ukusolwa kwesizwe sakwaJuda

[1] Umbono ka-Isaya, indodana ka-Amose, awubonayo ngoJuda neJerusalema emihleni ka-Uziya, noJothamu, no-Ahazi, noHezekiya, amakhosi akwaJuda.

[2]Yizwani, mazulu, ubeke indlebe, mhlaba, ngokuba uJehova ukhuluma uthi: Ngikhulisile ngiphakamisile abantwana, kepha bangihlubukile.

[3]Inkabi iyamazi umniniyo nembongolo umkhombe womnikaziyo; u-Israyeli akazi, isizwe sami asiqondi.

[4]Hawu, sizwe esonayo, bantu abasindwe ngububi, nzalo yababi, bantwana abonakeleyo! Bamshiyile uJehova, bamdelele oNgcwele ka-Israyeli, babuyele emuva.

[5]Ningabe nisashaywa kuphi, nisaqhubeka ukwambuka, na? Lonke ikhanda liyagula, nayo yonke inhliziyo ibuthakathaka.

[6]Kusukela ematheni onyawo kuze kube sekhanda akukho okuphelele, ngamanxeba nje, nemivimbo, nemidwa emisha; akukhanywanga ubovu, akuboshwanga, akuthanjiswanga ngamafutha.

[7] Izwe lakini liyihlane, imizi yenu ishisiwe ngomlilo, umhlabathi wenu udliwa ngabafokazi phambi kwenu, kuyihlane njengokuchitha kwabafokazi.

[8] A filha de Sião é deixada como choça na vinha, como palhoça no pepinal, como cidade sitiada.

[9] Se o SENHOR dos Exércitos não nos tivesse deixado alguns sobreviventes, já nos teríamos tornado como Sodoma e semelhantes a Gomorra.

Condenado o culto hipócrita

[10] Ouvi a palavra do SENHOR, vós, príncipes de Sodoma; prestai ouvidos à lei do nosso Deus, vós, povo de Gomorra.

[11] De que me serve a mim a multidão de vossos sacrifícios? – diz o SENHOR. Estou farto dos holocaustos de carneiros e da gordura de animais cevados e não me agrado do sangue de novilhos, nem de cordeiros, nem de bodes.

[12] Quando vindes para comparecer perante mim, quem vos requereu o só pisardes os meus átrios?

[13] Não continueis a trazer ofertas vãs; o incenso é para mim abominação, e também as Festas da Lua Nova, os sábados, e a convocação das congregações; não posso suportar iniqüidade associada ao ajuntamento solene.

[14] As vossas Festas da Lua Nova e as vossas solenidades, a minha alma as aborrece; já me são pesadas; estou cansado de as sofrer.

[15] Pelo que, quando estendeis as mãos, escondo de vós os olhos; sim, quando multiplicais as vossas orações, não as

[8]Indodakazi yaseSiyoni isele njengexhiba esivinini, nanjengedladla ensimini yamaselwa, nanjengomuzi ovinjezelweyo.

[9] Uma uJehova Sebawoti ebengasishiyelanga insali, besiyakuba njengeSodoma, sifane neGomora.

[10] Yizwani izwi likaJehova nina babusi baseSodoma, nibeke indlebe ekufundiseni kukaNkulunkulu wethu nina bantu baseGomora.

[11] Iyini kimi imihlatshelo yenu eminingi na? usho uJehova; ngisuthile ngeminikelo yokushiswa yezinqama nangeyamanoni amathole akhuluphalisiweyo; negazi lezinkunzi nelamawundlu nelezimpongo angithokozi ngalo.

[12]Lapho nifika ukubona ubuso bami, ngubani okubize lokhu esandleni senu ukuba ninyathele amagceke ami na?

[13] Ningabe nisaletha iminikelo eyize yempuphu; impepho iyisinengiso kimi; ezokwethwasa kwenyanga namasabatha nokubiza imihlangano angivumi ububi kanye nemikhosi.

[14]Ezokwethwasa zenu kwenyanga nemikhosi yenu emisiweyo kuyazondwa ngumphefumulo wami; kungumthwalo phezu kwami, ngikhathele ngukukuthwala.

[15] Lapho nelula izandla zenu, ngiyakufihla kini amehlo ami; yebo, lapho nenza

ouço, porque as vossas mãos estão cheias de sangue.

16 Lavai-vos, purificai-vos, tirai a maldade de vossos atos de diante dos meus olhos; cessai de fazer o mal.

17 Aprendei a fazer o bem; atendei à justiça, repreendei ao opressor; defendei o direito do órfão, pleiteai a causa das viúvas.

O convite da graça

18 Vinde, pois, e arrazoemos, diz o SENHOR; ainda que os vossos pecados sejam como a escarlata, eles se tornarão brancos como a neve; ainda que sejam vermelhos como o carmesim, se tornarão como a lã.

19 Se quiserdes e me ouvirdes, comereis o melhor desta terra.

20 Mas, se recusardes e fordes rebeldes, sereis devorados à espada; porque a boca do SENHOR o disse.

O julgamento e a redenção de Jerusalém

21 Como se fez prostituta a cidade fiel! Ela, que estava cheia de justiça! Nela, habitava a retidão, mas, agora, homicidas.

22 A tua prata se tornou em escórias, o teu licor se misturou com água.

23 Os teus príncipes são rebeldes e companheiros de ladrões; cada um deles ama o suborno e corre atrás de recompensas. Não defendem o direito do órfão, e não chega perante eles a causa das viúvas.

imikhuleko eminingi, angiyikuzwa; izandla zenu zigcwele igazi.

16Gezani, nihlanzeke, nisuse ububi bezenzo zenu phambi kwamehlo ami, niyeke ukwenza okubi.

17 Fundani ukwenza okuhle, nifune ukwahlulela, niqondise abacindezeli, nahlulele izintandane, nimele umfelokazi.

18 Wozani-ke, sithethe indaba, usho uJehova; noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengokububende, ziyakuba njengoboya bezimvu.

19 Uma nivuma, nilalela, niyakudla okuhle kwezwe;

20 kepha uma nala, nihlubuka, niyakudliwa yinkemba, ngokuba umlomo kaJehova ukhulumile.

21 Yeka umuzi othembekileyo waphenduka, waba yisifebe, wena owawugcwele ukwahlulela! Ukulunga kwakuhlezi khona, kepha manje ababulali.

22 Isiliva lakho seliphendukile amanyela; iwayini lakho lixubene namanzi.

23 Izikhulu zakho ziyizihlubuki nabangane bamasela; bonke bathanda izipho, balandela imivuzo; abahluleli izintandane, nendaba yomfelokazi ayifinyeleli kubo.

[24] Portanto, diz o SENHOR, o SENHOR dos Exércitos, o Poderoso de Israel: Ah! Tomarei satisfações aos meus adversários e vingar-me-ei dos meus inimigos.
[25] Voltarei contra ti a minha mão, purificar-te-ei como com potassa das tuas escórias e tirarei de ti todo metal impuro.

[26] Restituir-te-ei os teus juízes, como eram antigamente, os teus conselheiros, como no princípio; depois, te chamarão cidade de justiça, cidade fiel.

[27] Sião será redimida pelo direito, e os que se arrependem, pela justiça.
[28] Mas os transgressores e os pecadores serão juntamente destruídos; e os que deixarem o SENHOR perecerão.
[29] Porque vos envergonhareis dos carvalhos que cobiçastes e sereis confundidos por causa dos jardins que escolhestes.
[30] Porque sereis como o carvalho, cujas folhas murcham, e como a floresta que não tem água.

[31] O forte se tornará em estopa, e a sua obra, em faísca; ambos arderão juntamente, e não haverá quem os apague.

Isaías 2

A glória futura do Israel espiritual
Miqueias 4.1-5

[1] Palavra que, em visão, veio a Isaías, filho de Amoz, a respeito de Judá e Jerusalém.
[2] Nos últimos dias, acontecerá que o monte da Casa do SENHOR será

[24] Ngalokho ithi iNkosi uJehova Sebawoti, uMninimandla ka-Israyeli: E, ngiyakuzikhulula kwabamelene nami, ngiziphindisele ezitheni zami,
[25]ngibuyisele isandla sami kuwe, ngicwengisise impela amanyela akho, ngisuse lonke ithini lakho,
[26] ngibuyisele abahluleli bakho njengakuqala, nabeluleki bakho njengasekuqaleni, andukuba ubizwe ngokuthi uMuzi Wokulunga, uMuzi Othembekileyo.
[27] ISiyoni liyakuhlengwa ngokwahlulela nabaphendukayo kulo ngokulunga.
[28] Izihlubuki nezoni ziyakubhujiswa kanyekanye, nabamshiyayo uJehova bayakuqedwa.

[29] Yebo, bayakuba namahloni ngama-oki enawanxanelayo, niyangaze ngamasimu enawakhethayo.

[30]Ngokuba niyakuba njenge-oki elimaqabunga alo abunile, nanjengensimu engenamanzi.
[31] Abanamandla bayakuba njengefilakisi, nemisebenzi yabo njengenhlansi; bayakusha bobabili kanyekanye, akuyikubakho ocimayo.

U-Isaya 2

Intaba yendlu kaJehova

[1]Indaba ayibonayo u-Isaya indodana ka-Amose ngoJuda neJerusalema.
[2] Kuyakuthi ngezinsuku ezizayo intaba yendlu kaJehova iqiniswe esiqongweni

estabelecido no cimo dos montes e se elevará sobre os outeiros, e para ele afluirão todos os povos.

[3] Irão muitas nações e dirão: Vinde, e subamos ao monte do SENHOR e à casa do Deus de Jacó, para que nos ensine os seus caminhos, e andemos pelas suas veredas; porque de Sião sairá a lei, e a palavra do SENHOR, de Jerusalém.

[4] Ele julgará entre os povos e corrigirá muitas nações; estas converterão as suas espadas em relhas de arados e suas lanças, em podadeiras; uma nação não levantará a espada contra outra nação, nem aprenderão mais a guerra.

[5] Vinde, ó casa de Jacó, e andemos na luz do SENHOR.

Abatido o orgulho dos homens

[6] Pois, tu, SENHOR, desamparaste o teu povo, a casa de Jacó, porque os seus se encheram da corrupção do Oriente e são agoureiros como os filisteus e se associam com os filhos dos estranhos.

[7] A sua terra está cheia de prata e de ouro, e não têm conta os seus tesouros; também está cheia de cavalos, e os seus carros não têm fim.

[8] Também está cheia a sua terra de ídolos; adoram a obra das suas mãos, aquilo que os seus próprios dedos fizeram.

[9] Com isso, a gente se abate, e o homem se avilta; portanto, não lhes perdoarás.

sezintaba, iphakame kunamagquma, nezizwe zonke ziyakugobhozela khona.

[3] Abantu abaningi bayakuhamba, bathi: Wozani sikhuphukele entabeni kaJehova endlini kaNkulunkulu kaJakobe; uyakusifundisa izindlela zakhe, sihambe emikhondweni yakhe, ngokuba umthetho uyakuvela eSiyoni, nezwi likaJehova eJerusalema.

[4] Uyakwahlulela phakathi kwezizwe, anqume phakathi kwabantu abaningi; bayakukhanda izinkemba zabo zibe ngamakhuba, nemikhonto yabo ibe ngocelemba; isizwe asiyikuphakamisela isizwe inkemba, zingabe zisafunda ukulwa.

[5]Wena ndlu kaJakobe, woza sihambe ekukhanyeni kukaJehova.

Usuku lukaJehova

[6]Ngokuba ushiyile abantu bakho, indlu kaJakobe, lokhu begcwele ezasempumalanga, behlola imihlola njengamaFilisti, bexhawulana nabantwana babezizwe.

[7]Izwe lakubo ligcwele isiliva negolide, akukho ukuphela kwengcebo yabo; izwe lakubo ligcwele futhi namahhashi, nokuphela kwezinqola akukho.

[8] Izwe lakubo ligcwele futhi nezithombe; bakhuleka kokwenziwe yizandla zabo nakwekwenzileyo iminwe yabo.

[9]Kepha abantu bayakufoliswa, namadoda ayakuthotshiswa; abayikuthethelelwa.

[10] Vai, entra nas rochas e esconde-te no pó, ante o terror do SENHOR e a glória da sua majestade.

[11] Os olhos altivos dos homens serão abatidos, e a sua altivez será humilhada; só o SENHOR será exaltado naquele dia.

[12] Porque o Dia do SENHOR dos Exércitos será contra todo soberbo e altivo e contra todo aquele que se exalta, para que seja abatido;

[13] contra todos os cedros do Líbano, altos, mui elevados; e contra todos os carvalhos de Basã;

[14] contra todos os montes altos e contra todos os outeiros elevados;

[15] contra toda torre alta e contra toda muralha firme;

[16] contra todos os navios de Társis e contra tudo o que é belo à vista.

[17] A arrogância do homem será abatida, e a sua altivez será humilhada; só o SENHOR será exaltado naquele dia.

[18] Os ídolos serão de todo destruídos.

[19] Então, os homens se meterão nas cavernas das rochas e nos buracos da terra, ante o terror do SENHOR e a glória

[10] Ngena edwaleni, ucashe othulini ngokwesabeka kukaJehova nangodumo lobukhosi bakhe.

[11] Amehlo omuntu aziphakamisileyo ayakuthotshiswa, nokuzikhukhumeza kwamadoda kuyakufola, kuphakame uJehova kuphela ngalolo suku.

[12] Ngokuba uJehova Sebawoti unosuku oluyakuba phezu kwakho konke okuzidlayo nokuzikhukhumezayo, naphezu kwakho konke okuphakemeyo, kuthotshiswe,

[13]naphezu kwayo yonke imisedari yaseLebanoni, emide nephakemeyo, naphezu kwawo onke ama-oki aseBashani,

[14]naphezu kwazo zonke izintaba ezinde, naphezu kwawo onke amagquma aphakemeyo,

[15]naphezu kwayo yonke imibhoshongo ephakemeyo, naphezu kwazo zonke izingange eziqinisiweyo,

[16]naphezu kwayo yonke imikhumbi yaseTharishishi, naphezu kwayo yonke imikhunjana enxanelekayo.

[17]Ukuzikhukhumeza kwabantu kuyakufoliswa, nokuziphakamisa kwamadoda kuyakuthotshiswa, kuphakame uJehova kuphela ngalolo suku,

[18]ziphele izithombe, zithi nya.

[19]Bayakungena emihumeni yamadwala nasemigodini yomhlaba ngokwesabeka kukaJehova nangodumo lobukhosi bakhe, lapho evuka ukushaya umhlaba ngovalo.

da sua majestade, quando ele se levantar para espantar a terra.

[20] Naquele dia, os homens lançarão às toupeiras e aos morcegos os seus ídolos de prata e os seus ídolos de ouro, que fizeram para ante eles se prostrarem,

[21] e meter-se-ão pelas fendas das rochas e pelas cavernas das penhas, ante o terror do SENHOR e a glória da sua majestade, quando ele se levantar para espantar a terra.

[22] Afastai-vos, pois, do homem cujo fôlego está no seu nariz. Pois em que é ele estimado?

Isaías 3

Julgamento de Judá e de Jerusalém

[1] Porque eis que o SENHOR, o SENHOR dos Exércitos, tira de Jerusalém e de Judá o sustento e o apoio, todo sustento de pão e todo sustento de água;

[2] o valente, o guerreiro e o juiz; o profeta, o adivinho e o ancião;

[20] Naquele dia, chamarei a meu servo Eliaquim, filho de Hilquias,

[21] vesti-lo-ei da tua túnica, cingi-lo-ei com a tua faixa e lhe entregarei nas mãos o teu poder, e ele será como pai para os moradores de Jerusalém e para a casa de Judá.

[22] Porei sobre o seu ombro a chave da casa de Davi; ele abrirá, e ninguém fechará, fechará, e ninguém abrirá.

[23] Fincá-lo-ei como estaca em lugar firme, e ele será como um trono de honra para a casa de seu pai.

[24] Nele, pendurarão toda a responsabilidade da casa de seu pai, a prole e os descendentes, todos os utensílios menores, desde as taças até as garrafas.

[25] Naquele dia, diz o SENHOR dos Exércitos, a estaca que fora fincada em lugar firme será tirada, será arrancada e cairá, e a carga que nela estava se desprenderá, porque o SENHOR o disse.

Isaías 23

Profecia contra Tiro

[18]Uyakukuthandela nokukuthandela njengokuthandelweyo, akulahle njengegabade ezweni elibanzi. Uyakufela khona, lapho kuyakuba khona nezinqola zodumo lwakho wena hlazo lendlu yenkosi yakho.

[19]Ngiyakukuhlohloloza esikhundleni sakho, ngikuwise endaweni yakho.

[20] Kuyakuthi ngalolo suku ngiyibize inceku yami u-Eliyakimi indodana kaHilikiya;

[21]ngiyakumembathisa ingubo yakho, ngimqinise ngebhande lakho, nginikeze ukubusa kwakho esandleni sakhe, abe nguyise kwabakhileyo eJerusalema nakuyo indlu yakwaJuda.

[22]Ngiyakubeka isihluthelelo sendlu kaDavide ehlombe lakhe; uyakuvula kungavali muntu, avale kungavuli muntu.

[23]Ngiyakumbethelisa okwesipikili endaweni eqinileyo, abe yisihlalo sobukhosi esikhazimulayo endlini kayise.

[24]Bayakuphanyeka phezu kwakhe lonke udumo lwendlu kayise, inzalo nabantwana, zonke izitsha ezincane, imicengezi nezinkamba.

[25] Ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti, isipikili esabethelwa endaweni eqinileyo siyakukhumuka, sinqanyulwe, siwe, nomthwalo obukuso unqunywe, ngokuba uJehova ukhulumile.

U-Isaya 23

Isiprofetho ngeTire

[1] Sentença contra Tiro. Uivai, navios de Társis, porque está assolada, a ponto de não haver nela casa nenhuma, nem ancoradouro. Da terra de Chipre lhes foi isto revelado.

[2] Calai-vos, moradores do litoral, vós a quem os mercadores de Sidom enriqueceram, navegando pelo mar.

[3] Através das vastas águas, vinha o cereal dos canais do Egito e a ceifa do Nilo, como a tua renda, Tiro, que vieste a ser a feira das nações.

[4] Envergonha-te, ó Sidom, porque o mar, a fortaleza do mar, fala, dizendo: Não tive dores de parto, não dei à luz, não criei rapazes, nem eduquei donzelas.

[5] Quando a notícia a respeito de Tiro chegar ao Egito, com ela se angustiarão os homens.

[6] Passai a Társis, uivai, moradores do litoral.

[7] É esta, acaso, a vossa cidade que andava exultante, cuja origem data de remotos dias, cujos pés a levaram até longe para estabelecer-se?

[8] Quem formou este desígnio contra Tiro, a cidade distribuidora de coroas, cujos mercadores são príncipes e cujos negociantes são os mais nobres da terra?

[9] O SENHOR dos Exércitos formou este desígnio para denegrir a soberba de toda beleza e envilecer os mais nobres da terra.

[1] Isiprofetho ngeTire. Klewulani nina, Mikhumbi yaseTharishishi, ngokuba lichithekile; indlu ayisekho, nokungena akusenakwenzeka; kwambulelwe kubo kuvela ezweni laseKitimi.

[2]Thulani nina enakhileyo ngasogwini, nina abathengisi baseSidoni abanigcwalisile bedabula elwandle.

[3]Emanzini amaningi imbewu yaseSihori nokuvuna kweNayile kwakuyinzuzo yalo; laliyindawo yokuthenga kuzo izizwe.

[4]Yiba namahloni wena Sidoni, ngokuba lukhulumile ulwandle, inqaba yolwandle, ngokuthi: Angibanga namihelo, angizalanga, angikhulisanga izinsizwa, angondlanga izintombi.

[5]Lapho kubikwa eGibithe, bayakuthuthumela ngokuzwa ngeTire.

[6]Welani niye eTharishishi; klewulani nina enakhileyo ngasogwini.

[7]Yilowo ongumuzi wenu ojabulayo, ubudala bawo busukela ezinsukwini zasendulo, owayiswa kude yizinyawo zawo ukuba uhlale khona, na?

[8] Ngubani ocebe lokhu ngeTire eliqhelisayo, elibathengi balo bayizikhulu, nabahwebi balo bangabadumileyo bomhlaba, na?

[9]NguJehova Sebawoti okucebileyo ukuba konakaliswe ukuziphakamisa kwabo bonke ubukhosi, badeleleke bonke abadumileyo bomhlaba.

10 Percorre livremente como o Nilo a tua terra, ó filha de Társis; já não há quem te restrinja.

11 O SENHOR estendeu a mão sobre o mar e turbou os reinos; deu ordens contra Canaã, para que se destruíssem as suas fortalezas.

12 E disse: Nunca mais exultarás, ó oprimida virgem filha de Sidom; levanta-te, passa a Chipre, mas ainda ali não terás descanso.

13 Eis a terra dos caldeus, povo que até há pouco não era povo e que a Assíria destinara para os sátiros do deserto; povo que levantou suas torres, e arrasou os palácios de Tiro, e os converteu em ruínas.

14 Uivai, navios de Társis, porque é destruída a que era a vossa fortaleza!

15 Naquele dia, Tiro será posta em esquecimento por setenta anos, segundo os dias de um rei; mas no fim dos setenta anos dar-se-á com Tiro o que consta na canção da meretriz:

16 Toma a harpa, rodeia a cidade, ó meretriz, entregue ao esquecimento; canta bem, toca, multiplica as tuas canções, para que se recordem de ti.

17 Findos os setenta anos, o SENHOR atentará para Tiro, e ela tornará ao salário da sua impureza e se prostituirá com todos os reinos da terra.

10Dabula izwe lakho njengeNayile, ndodakazi yaseTharishishi; akusekho bhande.

11Welulile isandla sakhe phezu kolwandle, wazamazamisa imibuso; uJehova uyalezile ngeKhanani ukuba kuchithwe izinqaba zalo.

12Wathi: Awusayikujabula wena ntombi ehlazisiweyo, ndodakazi yaseSidoni; vuka, uwelele eKitimi; nalapho awuyikuthola ukuphumula.

13Bheka, izwe lamaKaledi, leso sizwe esingasekho, esanqunyelwa yi-Asiriya izilwane zasehlane, limisa imibhoshongo, lizenza ize izindlu zaso zamakhosi, lenza laba yincithakalo.

14Klewulani nina mikhumbi yaseTharishishi, ngokuba inqaba yenu ichithekile.

15Kuyakuthi ngalolo suku iTire likhohlakale iminyaka engamashumi ayisikhombisa njengezinsuku zankosinye. Ngasekupheleni kweminyaka engamashumi ayisikhombisa kuyakuba khona kulo iTire njengasesihlabelelweni sesifebe:

16 Thatha ihabhu, uhambahambe emzini wena sifebe esikhohlakeleyo, ubethe kamnandi, uhlabelele izihlabelelo eziningi, ukuze ukhunjulwe.

17Kuyakuthi ngasekupheleni kweminyaka engamashumi ayisikhombisa uJehova ahambele iTire, lona libuyele enzuzweni yalo, lifebe nayo yonke imibuso yezwe ebusweni bomhlaba.

[18] O ganho e o salário de sua impureza serão dedicados ao SENHOR; não serão entesourados, nem guardados, mas o seu ganho será para os que habitam perante o SENHOR, para que tenham comida em abundância e vestes finas.

Isaías 24

[1] Eis que o SENHOR vai devastar e desolar a terra, vai transtornar a sua superfície e lhe dispersar os moradores.

[2] O que suceder ao povo sucederá ao sacerdote; ao servo, como ao seu senhor; à serva, como à sua dona; ao comprador, como ao vendedor; ao que empresta, como ao que toma emprestado; ao credor, como ao devedor.

[3] A terra será de todo devastada e totalmente saqueada, porque o SENHOR é quem proferiu esta palavra.

[4] A terra pranteia e se murcha; o mundo enfraquece e se murcha; enlanguescem os mais altos do povo da terra.

[5] Na verdade, a terra está contaminada por causa dos seus moradores, porquanto transgridem as leis, violam os estatutos e quebram a aliança eterna.

[6] Por isso, a maldição consome a terra, e os que habitam nela se tornam culpados; por isso, serão queimados os moradores da terra, e poucos homens restarão.

[18] Intengo yalo nenzuzo yalo iyakuba ngcwele kuJehova; ayiyikunqwabelwa, ilondolozwe, ngokuba intengo yalo iyakuba ngeyabahlala phambi kukaJehova, ukuze badle basuthe, babe nezingubo ezinhle.

U-Isaya 24

Ukwahlulelwa kwezwe

[1] Bheka, uJehova wenza ize umhlaba, awuchithe, agumbuqele ubuso bawo, ahlakaze abakhileyo kuwo.

[2] Kuyakuthi njengakubantu kube njalo kumpristi, nanjengasencekwini kube njalo enkosini yayo, nanjengasencekukazini kube njalo enkosikazini yayo, nanjengakumthengi kube njalo kumthengisi, nanjengakotshelekayo kube njalo kobolekayo, nanjengakobiza inzalo kube njalo kokhokha inzalo.

[3]Umhlaba uyakuba yize leze, uphangwe nokuphangwa, ngokuba uJehova ukhulumile izwi lakhe.

[4] Umhlaba uyalila, ubune; izwe liyaphela amandla, linyamalale, abaphakemeyo bomhlaba badangale.

[5]Umhlaba wonakalisiwe phansi kwabakhileyo kuwo, ngokuba beqile imithetho, badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano esiphakade.

[6] Ngalokho isiqalekiso sidlile umhlaba, nabakhileyo kuwo batholiswa icala; ngalokho abakhileyo emhlabeni bayashiswa, kusale abantu abayingcosana nje.

[7] Pranteia o vinho, enlanguesce a vide, e gemem todos os que estavam de coração alegre.

[8] Cessou o folguedo dos tamboris, acabou o ruído dos que exultam, e descansou a alegria da harpa.

[9] Já não se bebe vinho entre canções; a bebida forte é amarga para os que a bebem.

[10] Demolida está a cidade caótica, todas as casas estão fechadas, ninguém já pode entrar.

[11] Gritam por vinho nas ruas, fez-se noite para toda alegria, foi banido da terra o prazer.

[12] Na cidade, reina a desolação, e a porta está reduzida a ruínas.

[13] Porque será na terra, no meio destes povos, como o varejar da oliveira e como o rebuscar, quando está acabada a vindima.

A alegria dos justos

[14] Eles levantam a voz e cantam com alegria; por causa da glória do SENHOR, exultam desde o mar.

[15] Por isso, glorificai ao SENHOR no Oriente e, nas terras do mar, ao nome do SENHOR, Deus de Israel.

[16] Dos confins da terra ouvimos cantar: Glória ao Justo!

A ruína dos transgressores

Mas eu digo: definho, definho, ai de mim! Os pérfidos tratam perfidamente; sim, os pérfidos tratam mui perfidamente.

[7]Iwayini elisha liyalila, umvini uyahhuma, bonke ababethokoza ngenhliziyo bayabubula.

[8] Ukujabula kwezigubhu kunqamukile, ukuxokozela kwabajabulayo kuphelile, nenjabulo yehabhu ikhawukile.

[9]Abasayikuphuza iwayini ngesihlabelelo; uphuzo olunamandla luyakubaba kubo abaluphuzayo.

[10]Umuzi oyihlane ubhidliziwe; zonke izindlu zivaliwe ukuba kungangeni muntu.

[11]Kukhalwa ngewayini ezitaladini; yonke intokozo inyamalele; injabulo yezwe idlulile.

[12]Emzini kusele incithakalo; isango livithiziwe, lachithwa.

[13] Ngokuba kuyakuba njalo emhlabeni phakathi kwabantu, njengokushaywa kweminqumo nanjengokukhothoza, lapho sekuvuniwe.

[14]Laba bayaphakamisa izwi labo, bamemeze; bajabula ngobukhosi bukaJehova entshonalanga.

[15]Ngalokho mdumiseni uJehova empumalanga, nasogwini lolwandle igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

[16]Siyezwa amahubo avela emikhawulweni yomhlaba, athi: Udumo malube koLungileyo! Kepha mina ngithi: Ngifile, ngifile! Maye kimi! Abakhohlisi bakhohlisile, yebo, abakhohlisi bakhohlisile nokukhohlisa.

[17] Terror, cova e laço vêm sobre ti, ó morador da terra.
[18] E será que aquele que fugir da voz do terror cairá na cova, e, se sair da cova, o laço o prenderá; porque as represas do alto se abrem, e tremem os fundamentos da terra.

[19] A terra será de todo quebrantada, ela totalmente se romperá, a terra violentamente se moverá.

[20] A terra cambaleará como um bêbado e balanceará como rede de dormir; a sua transgressão pesa sobre ela, ela cairá e jamais se levantará.
[21] Naquele dia, o SENHOR castigará, no céu, as hostes celestes, e os reis da terra, na terra.

[22] Serão ajuntados como presos em masmorra, e encerrados num cárcere, e castigados depois de muitos dias.

[23] A lua se envergonhará, e o sol se confundirá quando o SENHOR dos Exércitos reinar no monte Sião e em Jerusalém; perante os seus anciãos haverá glória.

Isaías 25

Cântico de louvor pela misericórdia divina

[1] Ó SENHOR, tu és o meu Deus; exaltar-te-ei a ti e louvarei o teu nome, porque tens feito maravilhas e tens executado os teus conselhos antigos, fiéis e verdadeiros.

[17] Ukwesaba, nomgodi, nogibe kuphezu kwakho wena owakhileyo emhlabeni.
[18] Kuyakuthi obalekela umsindo wokwesaba awele emgodini; okhuphuka emgodini uyakubanjwa lugibe, ngokuba amafasitele aphezulu avuliwe, nezisekelo zomhlaba ziyazamazama.
[19]Umhlaba uyaphuka nokwaphuka, umhlaba uyavithizwa nokuvithizwa, umhlaba uyazanyazanyiswa nokuzanyazanyiswa.
[20]Umhlaba uyatengezela nokutengezela njengesidakwa, uyantengantenga njengexhiba; isiphambeko siyakuba nzima phezu kwawo, uwe, ungabe usavuka futhi.
[21]Kuyakuthi ngalolo suku uJehova ahambele ibandla lasezulwini phezulu, namakhosi omhlaba emhlabeni.
[22]Bayakubuthelwa ndawonye njengeziboshwa zibuthelwa emgodini, bavalelwe etilongweni, bajeziswe emva kwezinsuku eziningi.
[23] Inyanga ekhazimulayo isiyakuyangaza, nelanga elinkemuzelayo liyakujabha, ngokuba uJehova Sebawoti uyakuba yinkosi entabeni yaseSiyoni naseJerusalema, abe yinkazimulo phambi kwamalunga akhe.

U-Isaya 25

Insindiso kaJehova

[1] Jehova, unguNkulunkulu wami; ngiyakukuphakamisa, ngidumise igama lakho, ngokuba wenzile izimangaliso, namasu asendulo, nokuthembeka, neqiniso.

[2] Porque da cidade fizeste um montão de pedras e da cidade forte, uma ruína; a fortaleza dos estranhos já não é cidade e jamais será reedificada.

[3] Pelo que povos fortes te glorificarão, e a cidade das nações opressoras te temerá.

[4] Porque foste a fortaleza do pobre e a fortaleza do necessitado na sua angústia; refúgio contra a tempestade e sombra contra o calor; porque dos tiranos o bufo é como a tempestade contra o muro,

[5] como o calor em lugar seco. Tu abaterás o ímpeto dos estranhos; como se abranda o calor pela sombra da espessa nuvem, assim o hino triunfal dos tiranos será aniquilado.

[6] O SENHOR dos Exércitos dará neste monte a todos os povos um banquete de coisas gordurosas, uma festa com vinhos velhos, pratos gordurosos com tutanos e vinhos velhos bem clarificados.

[7] Destruirá neste monte a coberta que envolve todos os povos e o véu que está posto sobre todas as nações.

[8] Tragará a morte para sempre, e, assim, enxugará o SENHOR Deus as lágrimas de todos os rostos, e tirará de toda a terra o opróbrio do seu povo, porque o SENHOR falou.

[9] Naquele dia, se dirá: Eis que este é o nosso Deus, em quem esperávamos, e ele nos salvará; este é o SENHOR, a quem

[2] Ngokuba wenzile umuzi waba yinqwaba, nomuzi obiyelweyo waba yincithakalo; indlu yamakhosi abafokazi ayiseyiwo umuzi, ayisayikwakhiwa futhi kuze kube phakade.

[3]Ngalokho abantu abanamandla bayakukudumisa, imizi yezizwe ezinonya zikwesabe.

[4] Ngokuba ubuyinqaba kwabampofu, inqaba kwabaswelayo ekucindezelweni kwabo, isiphephelo esivunguvungwini, umthunzi ekubaleleni, ngokuba umoya waba nonya, unjengesivunguvungu odongeni,

[5]nanjengokushisa endaweni eyomileyo. Uyathobisa umsindo wabafokazi; njengokubalela ngomthunzi wefu, kanjalo ihubo labanonya liyakudanjiswa.

[6] UJehova Sebawoti uyakwenzela abantu bonke idili lokukhulupheleyo kule ntaba, idili lewayini elinenhlese, okukhulupheleyo okunomnkantsha, iwayini elinenhlese elicwengekileyo.

[7] Uyakuchitha kule ntaba ingaphandle lesimbozo esimboza abantu bonke, nomgubuzelo ogubuzela zonke izizwe.

[8] Uyakugwinya ukufa kuze kube phakade; iNkosi uJehova iyakwesula izinyembezi ebusweni bonke, isuse amahloni abantu bakhe emhlabeni wonke, ngokuba uJehova ukhulumile.

[9] Kuyakuthiwa ngalolo suku: Bheka, lo unguNkulunkulu wethu; simhlalele, uyakusisindisa; lo unguJehova;

aguardávamos; na sua salvação exultaremos e nos alegraremos.

[10] Porque a mão do SENHOR descansará neste monte; mas Moabe será trilhado no seu lugar, como se pisa a palha na água da cova da esterqueira;

[11] no meio disto estenderá ele as mãos, como as estende o nadador para nadar; mas o SENHOR lhe abaterá a altivez, não obstante a perícia das suas mãos;

[12] e abaixará as altas fortalezas dos seus muros; abatê-las-á e derribá-las-á por terra, até ao pó.

Isaías 26

Cântico de confiança na proteção divina

[1] Naquele dia, se entoará este cântico na terra de Judá: Temos uma cidade forte; Deus lhe põe a salvação por muros e baluartes.

[2] Abri vós as portas, para que entre a nação justa, que guarda a fidelidade.

[3] Tu, SENHOR, conservarás em perfeita paz aquele cujo propósito é firme; porque ele confia em ti.

[4] Confiai no SENHOR perpetuamente, porque o SENHOR Deus é uma rocha eterna;

[5] porque ele abate os que habitam no alto, na cidade elevada; abate-a, humilha-a até à terra e até ao pó.

simhlalele; siyakujabula, sithokoze ngensindiso yakhe.

[10]Ngokuba kule ntaba isandla sikaJehova siyakuphumula, noMowabi uyakunyathelwa phansi endaweni yakhe njengotshani bunyathelwa emgodini womquba.

[11]Noma elula izandla zakhe phakathi kwawo njengohlambayo elula ukuba ahlambe, uyakuthobisa ukuziphakamisa kwakhe kanye nobuhlakani bezandla zakhe.

[12] Izinqaba eziphakemeyo zezingange zakho uyakuzibhidliza, azithobise, azenze ukuba zithintane nomhlabathi nothuli.

U-Isaya 26

Isihlabelelo sokusindiswa nokwahlulelwa

[1] Ngalolo suku lesi sihlabelelo siyakuhlatshelelwa ezweni lakwaJuda sokuthi: Umuzi onamandla sinawo; uyasimisela insindiso ibe yizingange nezindonga.

[2] Vulani amasango ukuba isizwe esilungileyo esigcina iqiniso singene.

[3] Inhliziyo eqinileyo uyayilinda ngokuthula okupheleleyo, ngokuba yethemba kuwe.

[4] Thembani kuJehova kuze kube phakade, ngokuba uJehova, yebo, uJehova uyidwala elingunaphakade.

[5] Ngokuba uthobisile ababehlezi phezulu, umuzi ophakemeyo; uyawubhidliza, uyawubhidliza kuze kube semhlabathini, awusondeze nasothulini.

[6] O pé a pisará; os pés dos aflitos, e os passos dos pobres.

[7] A vereda do justo é plana; tu, que és justo, aplanas a vereda do justo.

[8] Também através dos teus juízos, SENHOR, te esperamos; no teu nome e na tua memória está o desejo da nossa alma.

[9] Com minha alma suspiro de noite por ti e, com o meu espírito dentro de mim, eu te procuro diligentemente; porque, quando os teus juízos reinam na terra, os moradores do mundo aprendem justiça.

[10] Ainda que se mostre favor ao perverso, nem por isso aprende a justiça; até na terra da retidão ele comete a iniqüidade e não atenta para a majestade do SENHOR.

[11] SENHOR, a tua mão está levantada, mas nem por isso a vêem; porém verão o teu zelo pelo povo e se envergonharão; e o teu furor, por causa dos teus adversários, que os consuma.

[12] SENHOR, concede-nos a paz, porque todas as nossas obras tu as fazes por nós.

[13] Ó SENHOR, Deus nosso, outros senhores têm tido domínio sobre nós; mas graças a ti somente é que louvamos o teu nome.

[14] Mortos não tornarão a viver, sombras não ressuscitam; por isso, os castigaste, e destruíste, e lhes fizeste perecer toda a memória.

[6]Unyawo luyakuwunyathela phansi, izinyawo zabaswelayo, izinyathelo zabampofu.

[7] Indlela yabalungileyo iqondile, umkhondo wabaqotho ulungile, uyawenza ukuba ulingane.

[8] Yebo, ezindleleni zezahlulelo zakho, Jehova, sikuhlalele. Umphefumulo uyalangazelela igama lakho nesikhumbuzo sakho.

[9] Ngomphefumulo wami ngikulangazelela ebusuku, yebo, ngomoya wami ophakathi kwami ngiyakufunisisa, ngokuba lapho izahlulelo zakho zisemhlabeni, abakhileyo bezwe bafunda ukulunga.

[10]Uma omubi ephiwa umusa, akafundi ukulunga; ezweni lobuqotho uyakwenza ukonakala, angaboni ukuphakama kukaJehova.

[11]Jehova, isandla sakho siphakeme, kepha kababoni; kodwa mababone ukushisekela kwakho abantu, babe namahloni; yebo, umlilo uyakuqeda izitha zakho.

[12]Jehova, uyakusimisela ukuthula; ngokuba nayo yonke imisebenzi yethu senzelwe yona nguwe.

[13]Jehova Nkulunkulu wethu, amanye amakhosi angaphandle kwakho asibusile, kepha kuwena wedwa siyadumisa igama lakho.

[14] Abafileyo ababuyi baphile, izithunzi azibuyi zivuke; ngalokho wababhambela, wabachitha, wenza ukuba konke ukukhunjulwa kwabo kuphele.

[15] Tu, SENHOR, aumentaste o povo, aumentaste o povo e tens sido glorificado; a todos os confins da terra dilataste.

[16] SENHOR, na angústia te buscaram; vindo sobre eles a tua correção, derramaram as suas orações.

[17] Como a mulher grávida, quando se lhe aproxima a hora de dar à luz, se contorce e dá gritos nas suas dores, assim fomos nós na tua presença, ó SENHOR!

[18] Concebemos nós e nos contorcemos em dores de parto, mas o que demos à luz foi vento; não trouxemos à terra livramento algum, e não nasceram moradores do mundo.

[19] Os vossos mortos e também o meu cadáver viverão e ressuscitarão; despertai e exultai, os que habitais no pó, porque o teu orvalho, ó Deus, será como o orvalho de vida, e a terra dará à luz os seus mortos.

[20] Vai, pois, povo meu, entra nos teus quartos e fecha as tuas portas sobre ti; esconde-te só por um momento, até que passe a ira.

[21] Pois eis que o SENHOR sai do seu lugar, para castigar a iniqüidade dos moradores da terra; a terra descobrirá o sangue que embebeu e já não encobrirá aqueles que foram mortos.

Isaías 27

Deus ama ao seu povo e o salva

[1] Naquele dia, o SENHOR castigará com a sua dura espada, grande e forte, o dragão, serpente veloz, e o dragão, serpente

[15]Wandisa isizwe, Jehova, wandisa isizwe, wadunyiswa, wavula yonke imikhawulo yezwe.

[16] Jehova, besekuhluphekeni bakuhambela, bazethula ngemikhuleko lapho belaywa nguwe.

[17]Njengokhulelweyo osondela ukuba abelethe ezwiswa ubuhlungu, saba njalo phambi kobuso bakho, Jehova.

[18]Sasikhulelwe, sasinobuhlungu, sabeletha kungathi umoya nje; asenzanga insindiso emhlabeni, nabayakwakha ezweni abasazalwa.

[19] Kepha abafileyo bakho bayakubuye baphile, izidumbu zabo zivuke. Phaphamani, nijabule nina enihlala othulini, ngokuba amazolo akho angamazolo okukhanya, nomhlaba uyakubakhipha abafileyo.

[20] Wozani, bantu bami, ningene emakamelweni enu, nizivalele iminyango, nicashe ngokuphazima kweso, kuze kudlule ulaka.

[21] Ngokuba bhekani, uJehova uyaphuma endaweni yakhe ukuba ahambele ububi babakhileyo emhlabeni; umhlaba uyakubonakalisa igazi lawo, ungabe usabasibekela ababuleweyo babo.

U-Isaya 27

Ukubuyiswa kuka-Israyeli

[1] Ngalolo suku uJehova uyakuhambela ngenkemba yakhe elukhuni enkulu nenamandla uLeviyathani, inyoka

sinuosa, e matará o monstro que está no mar.

2 Naquele dia, dirá o SENHOR: Cantai a vinha deliciosa!

3 Eu, o SENHOR, a vigio e a cada momento a regarei; para que ninguém lhe faça dano, de noite e de dia eu cuidarei dela.

4 Não há indignação em mim. Quem me dera espinheiros e abrolhos diante de mim! Em guerra, eu iria contra eles e juntamente os queimaria.

5 Ou que homens se apoderem da minha força e façam paz comigo; sim, que façam paz comigo.

6 Dias virão em que Jacó lançará raízes, florescerá e brotará Israel, e encherão de fruto o mundo.

7 Porventura, feriu o SENHOR a Israel como àqueles que o feriram? Ou o matou, assim como àqueles que o mataram?

8 Com xô!, xô! e exílio o trataste; com forte sopro o expulsaste no dia do vento oriental.

9 Portanto, com isto será expiada a culpa de Jacó, e este é todo o fruto do perdão do seu pecado: quando o SENHOR fizer a todas as pedras do altar como pedras de cal feitas em pedaços, não ficarão em pé os postes-ídolos e os altares do incenso.

10 Porque a cidade fortificada está solitária, habitação desamparada e abandonada como um deserto; ali pastam

esheshayo, uLeviyathani, inyoka ethandelayo, abulale udrako oselwandle.

2 Ngalolo suku kuyakuba khona isivini esinxanelekayo. Hlabelelani ngaso.

3 Mina Jehova ngingumlindi waso, ngiyakusinisela njalo; funa soniwe, ngiyakusilinda ubusuku nemini.

4 Ukufutheka akukho kimi; sengathi kungaba khona amakhakhasi nameva! Bengiyakuwasukela ngokulwa, ngiwashise kanyekanye,

5noma abambelele emandleni ami ukuba enze ukuthula nami, enzelane ukuthula nami.

6 Ngezinsuku ezizayo uJakobe uyakugxila, u-Israyeli akhahlele, aqhakaze, bagcwalise ubuso bomhlaba ngezithelo.

7Ubashayile njengalokho ebashayile ababashayayo na? Babulewe njengokubulawa kwababulewe nguye na?

8 Ngokubamukisa nangokubaxosha uyabajezisa; wabasusa ngomoya wakhe olukhuni ngosuku lomoya wasempumalanga.

9 Ngakho ububi bukaJakobe buyakuhlangulwa ngalokhu, lokhu kube yisithelo sonke sokususa isono sakhe, lapho enza ukuba onke amatshe e-altare avithizeke njengamatshe omcako, kungabe kusamiswa o-Ashera nama-altare empepho.

10Ngokuba umuzi obiyelweyo uyize, nekhaya limukelwe, lishiyiwe njengehlane; ithole liyakuklaba khona,

os bezerros, deitam-se e devoram os seus ramos.

[11] Quando os seus ramos se secam, são quebrados. Então, vêm as mulheres e lhes deitam fogo, porque este povo não é povo de entendimento; por isso, aquele que o fez não se compadecerá dele, e aquele que o formou não lhe perdoará.

[12] Naquele dia, em que o SENHOR debulhará o seu cereal desde o Eufrates até ao ribeiro do Egito; e vós, ó filhos de Israel, sereis colhidos um a um.

[13] Naquele dia, se tocará uma grande trombeta, e os que andavam perdidos pela terra da Assíria e os que forem desterrados para a terra do Egito tornarão a vir e adorarão ao SENHOR no monte santo em Jerusalém.

Isaías 28

Será castigada a impenitência de Efraim

[1] Ai da soberba coroa dos bêbados de Efraim e da flor caduca da sua gloriosa formosura que está sobre a parte alta do fertilíssimo vale dos vencidos do vinho!

[2] Eis que o SENHOR tem certo homem valente e poderoso; este, como uma queda de saraiva, como uma tormenta de destruição e como uma tempestade de impetuosas águas que transbordam, com poder as derribará por terra.

libuthise khona, lidle, liqede amahlamvu awo.

[11]Lapho amagatsha awo esebunile, ayakwaphulwa, kufike abesifazane, baphembe umlilo kuwo, ngokuba bangabantu abangenakuqonda; ngalokho owabenzayo akayikubahawukela, nowababumbayo akayikuba namusa kubo.

[12]Kuyakuthi ngalolo suku uJehova avuthuze ezikhwetshini zasemfuleni kuze kube semfuleni waseGibithe, nibuthwe abanye ngabanye nina bantwana bakwa-Israyeli.

[13] Kuyakuthi ngalolo suku libethwe icilongo elikhulu, kufike ababelahlekile ezweni lase-Asiriya nabaxoshiweyo ezweni laseGibithe, bakhuleke kuJehova entabeni engcwele eJerusalema.

U-Isaya 28

Isiprofetho ngo-Efrayimi

[1]Wo kuwo umqhele wokuziphakamisa wezidakwa zakwa-Efrayimi, nakuyo imbali ebunayo yobuhle bakhe obukhazimulayo, esenhloko yesigodi esivundileyo sabanqotshwe yiwayini.

[2] Bheka, iNkosi inaye oqinileyo nonamandla; uyakuwisa phansi ngamandla njengesivunguvungu esinesichotho, nesiphepho esichithayo, nesiphihli samanzi esinamandla esikhukhulayo.

[3] A soberba coroa dos bêbados de Efraim será pisada aos pés.

[4] A flor caduca da sua gloriosa formosura, que está sobre a parte alta do fertilíssimo vale, será como o figo prematuro, que amadurece antes do verão, o qual, em pondo nele alguém os olhos, mal o apanha, já o devora.

[5] Naquele dia, o SENHOR dos Exércitos será a coroa de glória e o formoso diadema para os restantes de seu povo;

[6] será o espírito de justiça para o que se assenta a julgar e fortaleza para os que fazem recuar o assalto contra as portas.

Contra os habitantes de Jerusalém

[7] Mas também estes cambaleiam por causa do vinho e não podem ter-se em pé por causa da bebida forte; o sacerdote e o profeta cambaleiam por causa da bebida forte, são vencidos pelo vinho, não podem ter-se em pé por causa da bebida forte; erram na visão, tropeçam no juízo.

[8] Porque todas as mesas estão cheias de vômitos, e não há lugar sem imundícia.

[9] A quem, pois, se ensinaria o conhecimento? E a quem se daria a entender o que se ouviu? Acaso, aos desmamados e aos que foram afastados dos seios maternos?

[10] Porque é preceito sobre preceito, preceito e mais preceito; regra sobre regra, regra e mais regra; um pouco aqui, um pouco ali.

[3] Umqhele wokuziphakamisa wezidakwa zakwa-Efrayimi uyakunyathelwa ngezinyawo,

[4]imbali ebunayo yobuhle bakhe obukhazimulayo, esenhloko yesigodi esivundileyo, ibe njengekhiwane elivuthiwe kungakafiki ukuvuna; olibonayo uyalibuka, aligwinye, lise sesandleni sakhe.

[5] Ngalolo suku uJehova Sebawoti uyakuba ngumqhele wobukhosi, nesicoco esihle kuyo insali yabantu bakhe,

[6]nomoya wokwahlulela kohlezi ekwahluleleni, namandla kubo ababuyisa impi esangweni.

Ukonakala kwaseJerusalema

[7]Nalabo baduka ngewayini; ngophuzo olunamandla bayatengezela; abapristi nabaprofethi bayaduka ngophuzo olunamandla, bayatengezela ngophuzo olunamandla; bayaduka ekuboneni, bakhubeka ekwahluleleni.

[8]Yebo, onke amatafula agcwele ubuhlanzo nokungcola, kungabe kusabakho ndawo.

[9] Ngubani ayakumfundisa ukwazi, aqondise bani umbiko, na? Yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni, na?

[10]Ngokuba kuyisiyalezelo phezu kwesiyalezelo, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, umthetho phezu komthetho, umthetho phezu komthetho, lapha ingcosana, nalapho ingcosana.

[11] Pelo que por lábios gaguejantes e por língua estranha falará o SENHOR a este povo,

[12] ao qual ele disse: Este é o descanso, dai descanso ao cansado; e este é o refrigério; mas não quiseram ouvir.

[13] Assim, pois, a palavra do SENHOR lhes será preceito sobre preceito, preceito e mais preceito; regra sobre regra, regra e mais regra; um pouco aqui, um pouco ali; para que vão, e caiam para trás, e se quebrantem, se enlacem, e sejam presos.

[14] Ouvi, pois, a palavra do SENHOR, homens escarnecedores, que dominais este povo que está em Jerusalém.

[15] Porquanto dizeis: Fizemos aliança com a morte e com o além fizemos acordo; quando passar o dilúvio do açoite, não chegará a nós, porque, por nosso refúgio, temos a mentira e debaixo da falsidade nos temos escondido.

[16] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Eis que eu assentei em Sião uma pedra, pedra já provada, pedra preciosa, angular, solidamente assentada; aquele que crer não foge.

[17] Farei do juízo a régua e da justiça, o prumo; a saraiva varrerá o refúgio da mentira, e as águas arrastarão o esconderijo.

[18] A vossa aliança com a morte será anulada, e o vosso acordo com o além não

[11] Yebo, ngezindebe ezingingizayo nangolunye ulimi uyakukhuluma kulaba bantu

[12] akade esho kubo ukuthi: Lokhu kungukuphumula; phumuzani abayethileyo; lokhu kungukuhlunyelelwa, Kepha abathandanga ukuzwa.

[13]Ngalokho izwi likaJehova liyakuba kubona isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, umthetho phezu komthetho, umthetho phezu komthetho, lapha ingcosana, nalapho ingcosana, ukuze bahambe, bawe nyovane, baphuke, bacushwe, babanjwe.

[14]Ngalokho yizwani izwi likaJehova nina bantu abadelelayo, enibusa laba bantu baseJerusalema.

[15]Ngokuba nithe: Senzile isivumelwano nokufa, sivumelene nendawo yabafileyo; lapho isiswebhu esikhukhulayo sidlula, asiyikusehlela thina, ngokuba senzile amanga abe yisiphephelo sethu, sicashile phansi kwenkohliso.

[16] Ngalokho ithi iNkosi uJehova: Bheka, ngibeka eSiyoni itshe lesisekelo, itshe elivivinyekileyo, itshe legumbi elinqabileyo lesisekelo esiyiso; okholwayo kayikubaleka.

[17]Ngiyakwenza ukwahlulela kube ngumucu wokulinganisa, nokulunga kube ngumthofu wokumisa, isichotho sihlwithe isiphephelo samanga, amanzi akhukhule indawo yokucasha.

[18]Futhi isivumelwano senu nokufa siyakuchithwa, nokuvumelana kwenu

subsistirá; e, quando o dilúvio do açoite passar, sereis esmagados por ele.

nendawo yabafileyo akuyikuma; lapho isiswebhu esikhukhulayo sidlula, niyakunyathelwa phansi yiso.

[19] Todas as vezes que passar, vos arrebatará, porque passará manhã após manhã, e todos os dias, e todas as noites; e será puro terror o só ouvir tal notícia.

[19]Njalo lapho sidabula, siyakunibamba, ngokuba siyakudabula ukusa ngokusa imini nobusuku, kube ngukwesaba kuphela, lapho umbiko uqondwa.

[20] Porque a cama será tão curta, que ninguém se poderá estender nela; e o cobertor, tão estreito, que ninguém se poderá cobrir com ele.

[20]Ngokuba umbhede uyakuba mfushane kunokuba umuntu enabe kuwo, nengubo ibe ncane kunokuba umuntu azisonge ngayo.

[21] Porque o SENHOR se levantará, como no monte Perazim, e se irará, como no vale de Gibeão, para realizar a sua obra, a sua obra estranha, e para executar o seu ato, o seu ato inaudito.

[21] Ngokuba uJehova uyakusukuma njengasentabeni yasePherasimi, athukuthele njengasesigodini saseGibeyoni, ukuze enze umsebenzi wakhe, umsebenzi wakhe ongavamile, afeze isenzo sakhe, isenzo sakhe esimangalisayo.

[22] Agora, pois, não mais escarneçais, para que os vossos grilhões não se façam mais fortes; porque já do SENHOR, o SENHOR dos Exércitos, ouvi falar de uma destruição, e essa já está determinada sobre toda a terra.

[22] Ngalokho ningadeleli, funa izibopho zenu ziqiniswe, ngokuba ngizwile eNkosini uJehova Sebawoti ukuthi ukuphela kunqunyiwe phezu kwawo wonke umhlaba.

Deus é grande em sabedoria

[23] Inclinai os ouvidos e ouvi a minha voz; atendei bem e ouvi o meu discurso.

[23]Bekani indlebe, nizwe izwi lami; lalelani, nizwe ukukhuluma kwami.

[24] Porventura, lavra todo dia o lavrador, para semear? Ou todo dia sulca a sua terra e a esterroa?

[24]Umlimi, eyakutshala, ulima lonke usuku na? Uyaduba abhuqe umhlabathi wakhe njalo na?

[25] Porventura, quando já tem nivelado a superfície, não lhe espalha o endro, não semeia o cominho, não lança nela o trigo em leiras, ou cevada, no devido lugar, ou a espelta, na margem?

[25]Lapho esehlelembile ubuso bawo, angithi uhlwanyela amafitshizi, asakaze ikumini, atshale ukolweni ngezinhla, nebhali ezindaweni zalo, nokolweni ocolekileyo eceleni, na?

[26] Pois o seu Deus assim o instrui devidamente e o ensina.
[27] Porque o endro não se trilha com instrumento de trilhar, nem sobre o cominho se passa roda de carro; mas com vara se sacode o endro, e o cominho, com pau.

[28] Acaso, é esmiuçado o cereal? Não; o lavrador nem sempre o está debulhando, nem sempre está fazendo passar por cima dele a roda do seu carro e os seus cavalos.

[29] Também isso procede do SENHOR dos Exércitos; ele é maravilhoso em conselho e grande em sabedoria.

Isaías 29

Jerusalém e seus inimigos

[1] Ai da Lareira de Deus, cidade-lareira de Deus, em que Davi assentou o seu arraial! Acrescentai ano a ano, deixai as festas que completem o seu ciclo;
[2] então, porei a Lareira de Deus em aperto, e haverá pranto e lamentação; e ela será para mim verdadeira Lareira de Deus.
[3] Acamparei ao derredor de ti, cercar-te-ei com baluartes e levantarei tranqueiras contra ti.

[4] Então, lançada por terra, do chão falarás, e do pó sairá afogada a tua fala; subirá da terra a tua voz como a de um fantasma; como um cochicho, a tua fala, desde o pó.

[5] Mas a multidão dos teus inimigos será como o pó miúdo, e a multidão dos

[26]UNkulunkulu wakhe uyamhlakahlisa ngendlela eyiyo, amfundise.
[27]Ngokuba amafitshizi awabhulwa ngesibhulo esibukhali, nesondo lengqukumbane kaliphendulwa phezu kwekumini, kepha amafitshizi ayavuthuzwa ngenduku nekumini ngothi.
[28]Amabele esinkwa ayacolwa na? Cha, ngokuba awabhulwa nokubhulwa njalo; nakuba eqhuba isondo lengqukumbane namahhashi alo phezu kwawo, awacolisiswa.
[29]Nalokho kuvela kuJehova Sebawoti oyisimangaliso ekululekeni nomkhulu emaswini.

U-Isaya 29

Ukuwa nokuvuswa kwe-Ariyeli

[1]Wo kuwe Ariyeli, Ariyeli, umuzi lapho amisa khona uDavide. Yengezelani umnyaka emnyakeni, imikhosi iyingilize,

[2]ngize ngilicindezele i-Ariyeli, kube khona ukukhala nokububula, libe njenge-Ariyeli kimi.
[3]Ngiyakumisa, ngikuhaqe nxazonke zakho, ngikuvimbezele ngezinqaba, ngikumisele izindonga.
[4]Uyakubhidlizelwa phansi, ukhulume usemhlabathini; ukukhuluma kwakho kuyakuthotshiselwa phansi, kuphume othulini, izwi lakho libe njengelonedlozi livela emhlabathini, ukukhuluma kwakho kubethe imilozi othulini.
[5] Kodwa isixuku sezitha zakho siyakuba njengebhuqu elicolekileyo, noquqaba

tiranos, como a palha que voa; dar-se-á isto, de repente, num instante.

lwabacindezeli njengamakhoba adlulayo, yebo, kuyakwenzakala ngokuzumayo ngokuphazima kweso.

[6] Do SENHOR dos Exércitos vem o castigo com trovões, com terremotos, grande estrondo, tufão de vento, tempestade e chamas devoradoras.

[6] Uyakuhanjelwa nguJehova Sebawoti ngokuduma nangokuzamazama, nangomsindo omkhulu, nangesivunguvungu, nangesiphepho, nangelangabi lomlilo oqothulayo.

[7] Como sonho e visão noturna será a multidão de todas as nações que hão de pelejar contra a Lareira de Deus, como também todos os que pelejarem contra ela e contra os seus baluartes e a puserem em aperto.

[7]Isixuku sezizwe zonke ezisukela i-Ariyeli, ezisukela lona kanye nenqaba yalo, nezilicindezelayo, siyakuba njengephupho nombono wasebusuku.

[8] Será também como o faminto que sonha que está a comer, mas, acordando, sente-se vazio; ou como o sequioso que sonha que está a beber, mas, acordando, sente-se desfalecido e sedento; assim será toda a multidão das nações que pelejarem contra o monte Sião.

[8]Kuyakuba njengolambileyo ephupha ukuthi uyadla, kepha evuka usenephango, noma njengowomileyo ephupha ukuthi uyaphuza, kepha evuka uyethile, womile; siyakuba njalo isixuku sezizwe zonke ezisukela intaba yaseSiyoni.

A cegueira espiritual e a hipocrisia do povo

Ubumpumputhe bokomoya

[9] Estatelai-vos e ficai estatelados, cegai-vos e permanecei cegos; bêbados estão, mas não de vinho; andam cambaleando, mas não de bebida forte.

[9]Zimangaliseni, nimangale; ziphuphuthiseni, niphuphutheke; badakiwe, kepha kungengewayini, bayatengezela, kodwa kungengaphuzo olunamandla.

[10] Porque o SENHOR derramou sobre vós o espírito de profundo sono, e fechou os vossos olhos, que são os profetas, e vendou a vossa cabeça, que são os videntes.

[10] Ngokuba uJehova uthulule phezu kwenu umoya wobuthongo obunzima; uwavalile amehlo enu, usibekele abaprofethi benu nezinhloko zenu ababoni.

[11] Toda visão já se vos tornou como as palavras de um livro selado, que se dá ao que sabe ler, dizendo: Lê isto, peço-te; e

[11] Umbono wakho konke lokho wawusuba kini njengamazwi encwadi enamathelisiweyo enikwa owazi incwadi ngokuthi: Ake ufunde lokhu, abesethi

ele responde: Não posso, porque está selado;

[12] e dá-se o livro ao que não sabe ler, dizendo: Lê isto, peço-te; e ele responde: Não sei ler.

[13] O SENHOR disse: Visto que este povo se aproxima de mim e com a sua boca e com os seus lábios me honra, mas o seu coração está longe de mim, e o seu temor para comigo consiste só em mandamentos de homens, que maquinalmente aprendeu,

[14] continuarei a fazer obra maravilhosa no meio deste povo; sim, obra maravilhosa e um portento; de maneira que a sabedoria dos seus sábios perecerá, e a prudência dos seus prudentes se esconderá.

[15] Ai dos que escondem profundamente o seu propósito do SENHOR, e as suas próprias obras fazem às escuras, e dizem: Quem nos vê? Quem nos conhece?

[16] Que perversidade a vossa! Como se o oleiro fosse igual ao barro, e a obra dissesse do seu artífice: Ele não me fez; e a coisa feita dissesse do seu oleiro: Ele nada sabe.

A redenção de Israel

[17] Porventura, dentro em pouco não se converterá o Líbano em pomar, e o pomar não será tido por bosque?

[18] Naquele dia, os surdos ouvirão as palavras do livro, e os cegos, livres já da escuridão e das trevas, as verão.

yena: Angikwazi, ngokuba inamathelisiwe,

[12]incwadi bese yinikwa ongayazi incwadi ngokuthi: Ake ufunde lokhu, abesethi yena: Angiyazi incwadi.

[13] Yathi iNkosi: Ngenxa yokuba laba bantu besondela, bangidumise ngemilomo yabo nangezindebe zabo, kodwa bazidedisele kude nami izinhliziyo zabo, nokungesaba kwabo kungumyalo wabantu abawufundisiweyo nje,

[14] ngalokho ngiyakubuye ngenzele laba bantu izenzo ezimangalisayo, izimangaliso impela; ukuhlakanipha kwabahlakaniphileyo babo kuyakuphela, nokuqonda kwabaqondileyo babo kuyakusitheka.

[15] Wo kubona abajula ukuba basithezele uJehova isu labo, abamisebenzi yabo isebumnyameni, nabasho ukuthi: Ngubani osibonayo, ngubani osaziyo, na?

[16] O ukuphendukezela kwenu! Ibumba liyakulinganiswa nombumbi yini, ukuze okwenziweyo kusho ngokwenzileyo ukuthi: Yena akangenzanga, na? noma okubunjiweyo kusho ngokubumbileyo ukuthi: Akanakuqonda, na?

[17] Akuseyisikhashana nje iLebanoni lize liphenduke insimu, nensimu ithiwe ihlathi, na?

[18] Ngalolo suku izithulu ziyakuzwa amazwi encwadi, namehlo ezimpumputhe ayakubona, engasenakufiphala ngesigayegaye nabumnyama.

[19] Os mansos terão regozijo sobre regozijo no SENHOR, e os pobres entre os homens se alegrarão no Santo de Israel.
[20] Pois o tirano é reduzido a nada, o escarnecedor já não existe, e já se acham eliminados todos os que cogitam da iniqüidade,
[21] os quais por causa de uma palavra condenam um homem, os que põem armadilhas ao que repreende na porta, e os que sem motivo negam ao justo o seu direito.
[22] Portanto, acerca da casa de Jacó, assim diz o SENHOR, que remiu a Abraão: Jacó já não será envergonhado, nem mais se empalidecerá o seu rosto.

[23] Mas, quando ele e seus filhos virem a obra das minhas mãos no meio deles, santificarão o meu nome; sim, santificarão o Santo de Jacó e temerão o Deus de Israel.

[24] E os que erram de espírito virão a ter entendimento, e os murmuradores hão de aceitar instrução.

Isaías 30

Contra a aliança com o Egito

[1] Ai dos filhos rebeldes, diz o SENHOR, que executam planos que não procedem de mim e fazem aliança sem a minha aprovação, para acrescentarem pecado sobre pecado!
[2] Que descem ao Egito sem me consultar, buscando refúgio em Faraó e abrigo, à sombra do Egito!

[19]Abathobekileyo bayakwandisa intokozo yabo kuJehova, nabampofu kubantu bayakujabula koNgcwele ka-Israyeli.
[20]Ngokuba umcindezeli akasayikuba khona, nesideleli siyakube singasekho, nabo bonke abazulumba ububi bayakube beqothuliwe,

[21]ababemtholisa umuntu icala ngezwi nje, bambekela ugibe yena owathetha amacala esangweni, bachezukisa olungileyo ngento engelutho.

[22]Ngalokho ngendlu kaJakobe usho kanje uJehova owamhlenga u-Abrahama, uthi: UJakobe akasayikuba namahloni, nobuso bakhe abusayikuphaphatheka.
[23] Ngokuba lapho ebona abantwana bakhe, umsebenzi wezandla zami phakathi kwakhe, bayakungcwelisa igama lami, yebo, bayakungcwelisa oNgcwele kaJakobe, bamesabe uNkulunkulu ka-Israyeli.
[24]Abaduka emoyeni bayakwazi, baqonde, nabakhononayo bayakufunda, bakwamukele.

U-Isaya 30

Izwi lokumelana nesivumelwano neGibithe

[1] Wo kubantwana abahlubukileyo, usho uJehova, abenza iziluleko, kungengezami nokho, nabenza isivumelwano, kungengesomoya wami kodwa, ukuze bengeze isono esonweni,

[2] abahamba ukuba behlele eGibithe, bengacelanga emlonyeni wami, baziqinise

emandleni kaFaro, baphephele emthunzini waseGibithe!

[3] Mas o refúgio de Faraó se vos tornará em vergonha, e o abrigo na sombra do Egito, em confusão.

[3] Ngalokho amandla kaFaro ayakuba ngamahloni kini, ukuphephela kwenu emthunzini waseGibithe kube ngukudumala kini.

[4] Porque os príncipes de Judá já estão em Zoã, e os seus embaixadores já chegaram a Hanes.

[4] Ngokuba noma izikhulu zakhe ziseSowani, nezithunywa zakhe zifinyelela eHanesi,

[5] Todos se envergonharão de um povo que de nada lhes valerá, não servirá nem de ajuda nem de proveito, porém de vergonha e de opróbrio.

[5] bonke bayakuba namahloni ngabantu abangenakubasiza, abangenansizakalo nanzuzo, kepha bengamahloni nehlazo kuphela.

[6] Sentença contra a Besta do Sul. Através da terra da aflição e angústia de onde vêm a leoa, o leão, a víbora e a serpente volante, levam a lombos de jumento as suas riquezas e sobre as corcovas de camelos, os seus tesouros, a um povo que de nada lhes aproveitará.

[6]Isiprofetho ngezilwane zaseNingizimu. Badabula izwe losizi nelokuhlupheka, lapha kuvela khona ibhubesi nebhubesikazi, ibululu nenyoka endizayo, bethwala imfuyo yabo emihlane yezimbongolo nengcebo yabo phezu kwamalunda amakamela bakuyise kubantu abangenansizakalo.

[7] Pois, quanto ao Egito, vão e inútil é o seu auxílio; por isso, lhe chamei Gabarola que nada faz.

[7]IGibithe lisiza ngeze nangento engelutho; ngalokho ngilibize ngokuthi iRahabi elihlezi lithule.

[8] Vai, pois, escreve isso numa tabuinha perante eles, escreve-o num livro, para que fique registrado para os dias vindouros, para sempre, perpetuamente.

[8] Manje hamba ukulobe phambi kwabo esibhebheni, ukubhale encwadini ukuba kube ngubufakazi besikhathi esizayo kuze kube phakade.

[9] Porque povo rebelde é este, filhos mentirosos, filhos que não querem ouvir a lei do SENHOR.

[9] Bangabantwana abahlubukileyo, abantwana abaqamba amanga, abantwana abangathandi ukuzwa umthetho kaJehova,

[10] Eles dizem aos videntes: Não tenhais visões; e aos profetas: Não profetizeis para

[10] abathi kubaboni: Ningabe nisabona, nakubaprofethi: Ningasiprofetheli

nós o que é reto; dizei-nos coisas aprazíveis, profetizai-nos ilusões;
[11] desviai-vos do caminho, apartai-vos da vereda; não nos faleis mais do Santo de Israel.
[12] Pelo que assim diz o Santo de Israel: Visto que rejeitais esta palavra, confiais na opressão e na perversidade e sobre isso vos estribais,

[13] portanto, esta maldade vos será como a brecha de um muro alto, que, formando uma barriga, está prestes a cair, e cuja queda vem de repente, num momento.

[14] O SENHOR o quebrará como se quebra o vaso do oleiro, despedaçando-o sem nada lhe poupar; não se achará entre os seus cacos um que sirva para tomar fogo da lareira ou tirar água da poça.

[15] Porque assim diz o SENHOR Deus, o Santo de Israel: Em vos converterdes e em sossegardes, está a vossa salvação; na tranqüilidade e na confiança, a vossa força, mas não o quisestes.

[16] Antes, dizeis: Não, sobre cavalos fugiremos; portanto, fugireis; e: Sobre cavalos ligeiros cavalgaremos; sim, ligeiros serão os vossos perseguidores.
[17] Mil homens fugirão pela ameaça de apenas um; pela ameaça de cinco, todos vós fugireis, até que sejais deixados como o mastro no cimo do monte e como o estandarte no outeiro.

okuqinisileyo, kepha khulumani kithina okuthophayo, niprofethe inkohliso;
[11]phambukani endleleni, nichezuke emkhondweni, nimdedisele kithi oNgcwele ka-Israyeli.
[12]Ngalokho usho kanje oNgcwele ka-Israyeli, uthi: Njengokuba nilidelela leli zwi, nethemba kukho ukucindezela nakukho okuphambeneyo, nencike kukho,
[13]ngalokho lobu bubi buyakuba njengokomfantu lapho sekuzakuwa, kuvokomele ogangeni oluphakemeyo, ukudilika kwalo kufike ngokuzumayo ngokuphazima kweso.
[14] Luyabhidlizwa njengokuphahlazwa kwesitsha sombumbi, esichotshozwa singahawukelwa, kungabe kusatholakala phakathi kwezihlephu nodengezi lokuthatha umlilo eziko, nolokucakula amanzi emgodini.
[15] Ngokuba yasho njalo iNkosi uJehova, oNgcwele ka-Israyeli, yathi: Niyakusindiswa ngokuphenduka nangokuphumula, amandla enu abe ngukuthula nangokwethemba; kepha anithandanga.
[16] Kodwa nasho nathi: Qha, siyakubaleka ngamahhashi, ngalokho niyakubaleka: Sikhwele anejubane, ngalokho abanixoshayo bayakuba nejubane.

[17] Inkulungwane iyakubaleka ngokusongela koyedwa; ngokusongela kwaba yisihlanu niyakubaleka, nize nishiywe njengensika esiqongweni

Promessas consoladoras para Sião

[18] Por isso, o SENHOR espera, para ter misericórdia de vós, e se detém, para se compadecer de vós, porque o SENHOR é Deus de justiça; bem-aventurados todos os que nele esperam.

[19] Porque o povo habitará em Sião, em Jerusalém; tu não chorarás mais; certamente, se compadecerá de ti, à voz do teu clamor, e, ouvindo-a, te responderá.

[20] Embora o SENHOR vos dê pão de angústia e água de aflição, contudo, não se esconderão mais os teus mestres; os teus olhos verão os teus mestres.

[21] Quando te desviares para a direita e quando te desviares para a esquerda, os teus ouvidos ouvirão atrás de ti uma palavra, dizendo: Este é o caminho, andai por ele.

[22] E terás por contaminados a prata que recobre as imagens esculpidas e o ouro que reveste as tuas imagens de fundição; lançá-las-ás fora como coisa imunda e a cada uma dirás: Fora daqui!

[23] Então, o SENHOR te dará chuva sobre a tua semente, com que semeares a terra, como também pão como produto da terra, o qual será farto e nutritivo; naquele dia, o teu gado pastará em lugares espaçosos.

sentaba nanjengebhanela phezu kwegquma.

[18] Ngalokho uJehova uyakulindela ukuba abe nomusa kini; nangalokhu uyakuphakama ukuba abe nesihe kini, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wokwahlulela; babusisiwe bonke abamhlalelayo.

Isithembiso sikaNkulunkulu

[19] Ngokuba wena sizwe esakhe eSiyoni eJerusalema ungabe usakhala nokukhala; uyakuba nomusa impela kuwe ngezwi lokudazuluka kwakho; lapho elizwa, uyakuphendula.

[20]Noma iNkosi iyakukunika isinkwa sosizi namanzi okuhlupheka, abafundisi bakho abasayikucasha, kodwa amehlo akho ayakubabona abafundisi bakho,

[21]nezindlebe zakho ziyakuzwa izwi emva kwakho, lithi: Nansi indlela; hambani ngayo, noma niphambuka ngakwesokunene, noma niphambuka ngakwesokhohlo.

[22] Niyakujivaza okunamekiweyo kwezithombe zenu ezibaziweyo zesiliva nesimbozo sezithombe zenu ezibunjiweyo zegolide; uyakuzihlakaza njengokungcolileyo, uthi kukho: Suka lapha.

[23] Uyakunika imbewu yakho oyakuyihlwanyela emhlabathini imvula, aveze nesinkwa ezithelweni zomhlabathi oyakuvunda, uthele kakhulu; ngalolo suku izinkomo zakho ziyakuklaba emadlelweni abanzi.

[24] Os bois e os jumentos que lavram a terra comerão forragem com sal, alimpada com pá e forquilha.

[25] Em todo monte alto e em todo outeiro elevado haverá ribeiros e correntes de águas, no dia da grande matança quando caírem as torres.

[26] A luz da lua será como a do sol, e a do sol, sete vezes maior, como a luz de sete dias, no dia em que o SENHOR atar a ferida do seu povo e curar a chaga do golpe que ele deu.

O julgamento da Assíria

[27] Eis o nome do SENHOR vem de longe, ardendo na sua ira, no meio de espessas nuvens; os seus lábios estão cheios de indignação, e a sua língua é como fogo devorador.

[28] A sua respiração é como a torrente que transborda e chega até ao pescoço, para peneirar as nações com peneira de destruição; um freio de fazer errar estará nos queixos dos povos.

[29] Um cântico haverá entre vós, como na noite em que se celebra festa santa; e alegria de coração, como a daquele que sai ao som da flauta para ir ao monte do SENHOR, à Rocha de Israel.

[30] O SENHOR fará ouvir a sua voz majestosa e fará ver o golpe do seu braço, que desce com indignação de ira, no meio de chamas devoradoras, de chuvas

[24]Izinkabi nezimbongolo ezilima umhlabathi ziyakudla ukudla okuyolisiweyo, okweliweyo ngefosholo nangembenge.

[25] Kuzo zonke izintaba eziphakemeyo nakuwo onke amagquma amade kuyakuba khona imifula nemifudlana yamanzi ngosuku lokuhlaba okukhulu, lapho kuyakuwa imibhoshongo.

[26]Futhi ukukhanya kwenyanga kuyakuba njengokukhanya kwelanga, nokukhanya kwelanga kuyakuphindwa kasikhombisa njengokukhanya kwezimini eziyisikhombisa ngosuku uJehova abopha ngalo amanxeba abantu bakhe, aphulukise izilonda zemivimbo yabo.

Ukunqotshwa kwe-Asiriya

[27] Bheka, igama likaJehova livela kude, livutha ngolaka lwakhe, linzima ngamafu; izindebe zakhe zigcwele intukuthelo, nolimi lwakhe lunjengomlilo oqothulayo;

[28] ukuphefumula kwakhe kunjengomfula okhukhulayo, uze ufinyelele entanyeni, ukuhlunga izizwe ngesihlungo sokubhubhisa; itomu elidukisayo liyakuba semihlathini yezizwe.

[29] Niyakuhlabelela njengasebusuku lapho kugujwa umkhosi, nithokoze ngenhliziyo njengalokhu kuhanjwa ngemitshingo kuyiwe entabeni kaJehova kulo iDwala lika-Israyeli.

[30] UJehova uyakulizwakalisa izwi lakhe elidumileyo, abonakalise ukwehla kwengalo yakhe ngokuvutha kolaka lwakhe, nangelangabi lomlilo oqothulayo,

torrenciais, de tempestades e de pedra de saraiva.

31 Porque com a voz do SENHOR será apavorada a Assíria, quando ele a fere com a vara.

32 Cada pancada castigadora, com a vara, que o SENHOR lhe der, será ao som de tamboris e harpas; e combaterá vibrando golpes contra eles.

33 Porque há muito está preparada a fogueira, preparada para o rei; a pira é profunda e larga, com fogo e lenha em abundância; o assopro do SENHOR, como torrente de enxofre, a acenderá.

ngesivunguvungu, nangesiphepho, nangesichotho.

31Ngokuba ngezwi likaJehova i-Asiriya liyakushaywa luvalo, lapho elishaya ngenduku.

32Kuyakuthi njalo lapho induku enqunyiweyo idlula, uJehova ayibeka phezu kwalo, kube ngezigubhu nangamahabhu, alwe nalo ngengalo enikiniweyo.

33 Indawo yokushisela kade yahlelwa, yebo, yalungiselwa nenkosi; uyenze yajula, yaba banzi; igoqo layo lingumlilo nezinkuni eziningi, nokuphefumula kukaJehova kunjengomfula wesibabule; kuyayokhela.

Isaías 31

O Egito é homem e não deus

1 Ai dos que descem ao Egito em busca de socorro e se estribam em cavalos; que confiam em carros, porque são muitos, e em cavaleiros, porque são mui fortes, mas não atentam para o Santo de Israel, nem buscam ao SENHOR!

2 Todavia, este é sábio, e faz vir o mal, e não retira as suas palavras; ele se levantará contra a casa dos malfeitores e contra a ajuda dos que praticam a iniqüidade.

3 Pois os egípcios são homens e não deuses; os seus cavalos, carne e não espírito. Quando o SENHOR estender a mão, cairão por terra tanto o auxiliador como o ajudado, e ambos juntamente serão consumidos.

U-Isaya 31

Ubuze beGibithe

1 Wo kubona abehlela eGibithe ukuba basizwe khona, bencike emahhashini, bethemba ezinqoleni, ngokuba ziningi, nakubo abamahhashi, ngokuba benamandla; kepha ababheki koNgcwele ka-Israyeli, noJehova abamfuni.

2 Nokho naye uhlakaniphile, uyakuletha okubi; akayikubuyisa amazwi akhe, kepha uyakuvukela indlu yababi nosizo lwabenza okubi.

3 AbaseGibithe bangabantu, abasiye uNkulunkulu, amahhashi abo ayinyama, awasiwo umoya, nalapho uJehova eyakwelula isandla sakhe uyakukhubeka naye osizayo, kuwe naye osizwayo, baphele bonke kanyekanye.

[4] Porque assim me disse o SENHOR: Como o leão e o cachorro do leão rugem sobre a sua presa, ainda que se convoque contra eles grande número de pastores, e não se espantam das suas vozes, nem se abatem pela sua multidão, assim o SENHOR dos Exércitos descerá, para pelejar sobre o monte Sião e sobre o seu outeiro.

[5] Como pairam as aves, assim o SENHOR dos Exércitos ampará a Jerusalém; protegê-la-á e salvá-la-á, poupá-la-á e livrá-la-á.

[6] Convertei-vos, pois, ó filhos de Israel, àquele de quem tanto vos afastastes.

[7] Pois, naquele dia, cada um lançará fora os seus ídolos de prata e os seus ídolos de ouro, que as vossas mãos fabricaram para pecardes.

[8] Então, a Assíria cairá pela espada, não de homem; a espada, não de homem, a devorará; fugirá diante da espada, e os seus jovens serão sujeitos a trabalhos forçados.

[9] De medo não atinará com a sua rocha de refúgio; os seus príncipes, espavoridos, desertarão a bandeira, diz o SENHOR, cujo fogo está em Sião e cuja fornalha, em Jerusalém.

Isaías 32

O reinado do justo Rei

[1] Eis aí está que reinará um rei com justiça, e em retidão governarão príncipes.

[4]Ngokuba usho kanje kimi uJehova, uthi: Njengengonyama ebhongayo, ibhongo lengonyama phezu kwempango yalo, lapho abelusi abaningi belibizelwe, aliyikwesaba izwi labo, lingazithobi ngomsindo wabo, kanjalo uJehova Sebawoti uyakwehla ukuba alwe entabeni yaseSiyoni nasegqumeni layo.

[5] Njengezinyoni ezindizayo kanjalo uJehova, uJehova Sebawoti, uyakulivikela iJerusalema; uyakulivikela, alophule, alidlule, alikhulule.

[6]Buyelani kuye enimhlubukile ngokujulileyo kangako nina bantwana bakwa-Israyeli.

[7] Ngokuba ngalolo suku bayakulahla, kube yilowo nalowo izithombe zakhe zesiliva nezithombe zakhe zegolide, ezizenzile izandla zenu zaba yisono senu.

[8] I-Asiriya liyakuwa ngenkemba, kungengamuntu, nenkemba engesiyo eyomuntu iyakuliqeda; liyakubalekela usiko lwenkemba, kepha izinsizwa zalo ziyakuba yizinceku zempoqo.

[9]Idwala lakhe liyakunyamalala ngovalo, nezikhulu zalo ziyakuphela amandla ngebhanela, usho uJehova omlilo wakhe useSiyoni, nosithando sakhe siseJerusalema.

U-Isaya 32

Umbuso wokulunga

[1]Bheka, kuyakuba khona inkosi ebusa ngokulunga, izikhulu zibuse ngokwahlulela.

[2] Cada um servirá de esconderijo contra o vento, de refúgio contra a tempestade, de torrentes de águas em lugares secos e de sombra de grande rocha em terra sedenta.

[3] Os olhos dos que vêem não se ofuscarão, e os ouvidos dos que ouvem estarão atentos.

[4] O coração dos temerários saberá compreender, e a língua dos gagos falará pronta e distintamente.

[5] Ao louco nunca mais se chamará nobre, e do fraudulento jamais se dirá que é magnânimo.

[6] Porque o louco fala loucamente, e o seu coração obra o que é iníquo, para usar de impiedade e para proferir mentiras contra o SENHOR, para deixar o faminto na ânsia da sua fome e fazer que o sedento venha a ter falta de bebida.

[7] Também as armas do fraudulento são más; ele maquina intrigas para arruinar os desvalidos, com palavras falsas, ainda quando a causa do pobre é justa.

[8] Mas o nobre projeta coisas nobres e na sua nobreza perseverará.

Advertências contra as mulheres de Jerusalém

[9] Levantai-vos, mulheres que viveis despreocupadamente, e ouvi a minha voz; vós, filhas, que estais confiantes, inclinai os ouvidos às minhas palavras.

[10] Porque daqui a um ano e dias vireis a tremer, ó mulheres que estais confiantes, porque a vindima se acabará, e não haverá colheita.

[2] Umuntu uyakuba yindawo yokucashela umoya nesivikelo esivunguvungwini njengemifula yamanzi endaweni eyomileyo, njengomthunzi wedwala ezweni eliyethileyo.

[3] Amehlo ababonayo awayikuphuphutheka; izindlebe zabezwayo ziyakulalela.

[4]Inhliziyo yephulukundlu iyakuqonda, ize ikwazi, nolimi lwezingingingi luyakushesha lukhulume kahle.

[5]Isiwula asisayikubizwa ngokuthi sihloniphekile, nomkhohlisi akasayikuthiwa inkosi.

[6]Ngokuba isiwula siyakukhuluma ubuwula, nenhliziyo yaso iyakusebenza ububi, yenze ukungamesabi uNkulunkulu, ikhulume okuphambene noNkulunkulu, yenze ukuba olambileyo abe nephango, nowomileyo ukuba aswele uphuzo lwakhe.

[7]Izikhali zomkhohlisi zimbi; uhlela amacebo amabi, ukuze achithe izihlupheki ngamazwi amanga, nalapho ompofu ekhuluma ngokufaneleyo.

[8]Onesizotha uceba okuzothileyo, nangokuzotha kwakhe uyakuma.

[9]Vukani nina besifazane abazinzileyo, nizwe izwi lami; nina madodakazi azethembayo nibeke indlebe ekukhulumeni kwami.

[10]Ezinsukwini ezidlula umnyaka niyakuhlushwa nina besifazane abazethembayo, ngokuba ukuvuna

kwemivini kuyakuphela, nokubutha akuyikufika.

[11] Tremei, mulheres que viveis despreocupadamente; turbai-vos, vós que estais confiantes. Despi-vos, e ponde-vos desnudas, e cingi com panos de saco os lombos.

[11]Qhaqhazelani nina besifazane abazinzileyo, nihlupheke nina enizethembayo; khumulani nizenze nqunu, nibhince indwangu yamasaka ezinkalweni zenu.

[12] Batei no peito por causa dos campos aprazíveis e por causa das vinhas frutíferas.

[12]Zishayeni esifubeni ngenxa yamasimu amahle nemivini ethelayo.

[13] Sobre a terra do meu povo virão espinheiros e abrolhos, como também sobre todas as casas onde há alegria, na cidade que exulta.

[13]Emhlabathini wabantu bami kuyakumila amakhakhasi nameva, yebo, kuzo zonke izindlu zokujabula emzini ojabulayo,

[14] O palácio será abandonado, a cidade populosa ficará deserta; Ofel e a torre da guarda servirão de cavernas para sempre, folga para os jumentos selvagens e pastos para os rebanhos;

[14] ngokuba izindlu zamakhosi zilahliwe, nomuzi onabantu abaningi ushiyiwe; igquma nombhoshongo kuyakuba yimihume kuze kube phakade, nenjabulo yezimbongolo zasendle, nedlelo lemihlambi,

[15] até que se derrame sobre nós o Espírito lá do alto; então, o deserto se tornará em pomar, e o pomar será tido por bosque;

[15] uMoya aze athululwe phezu kwethu evela phezulu, nehlane liphenduke insimu, nensimu ithiwe ihlathi.

[16] o juízo habitará no deserto, e a justiça morará no pomar.

[16]Ukwahlulela kuyakwakha ehlane, ukulunga kuhlale ensimini.

[17] O efeito da justiça será paz, e o fruto da justiça, repouso e segurança, para sempre.

[17]Umsebenzi wokulunga uyakuba ngukuthula, impumelelo yokulunga ibe ngukulondeka kuze kube phakade.

[18] O meu povo habitará em moradas de paz, em moradas bem seguras e em lugares quietos e tranqüilos,

[18] Abantu bami bayakuhlala ematendeni okuthula, nasezindlini ezilondekayo, nasezindaweni zokuphumula ezinokuthula.

[19] ainda que haja saraivada, caia o bosque e seja a cidade inteiramente abatida.

[19]Liyakuwisa isichotho, lize liwe ihlathi, nomuzi uyakuthotshiswa nokuthotshiswa.

[20] Bem-aventurados vós, os que semeais junto a todas as águas e dais liberdade ao pé do boi e do jumento.

Isaías 33

A aflição e o livramento de Jerusalém

[1] Ai de ti, destruidor que não foste destruído, que procedes perfidamente e não foste tratado com perfídia! Acabando tu de destruir, serás destruído, acabando de tratar perfidamente, serás tratado com perfídia.

[2] SENHOR, tem misericórdia de nós; em ti temos esperado; sê tu o nosso braço manhã após manhã e a nossa salvação no tempo da angústia.

[3] Ao ruído do tumulto, fogem os povos; quando tu te ergues, as nações são dispersas.

[4] Então, ajuntar-se-á o vosso despojo como se ajuntam as lagartas; como os gafanhotos saltam, assim os homens saltarão sobre ele.

[5] O SENHOR é sublime, pois habita nas alturas; encheu a Sião de direito e de justiça.

[6] Haverá, ó Sião, estabilidade nos teus tempos, abundância de salvação, sabedoria e conhecimento; o temor do SENHOR será o teu tesouro.

[7] Eis que os heróis pranteiam de fora, e os mensageiros de paz estão chorando amargamente.

[8] As estradas estão desoladas, cessam os que passam por elas; rompem-se as

[20]Nibusisiwe nina enitshala ngasemanzini onke; nikhulula izinyawo zezinkabi nezezimbongolo.

U-Isaya 33

Ukukhululwa kweSiyoni

[1] Wo kuwena ochithayo, kungachithwanga wena, nakuwe okhohlisayo, kungakhohliswanga wena! Lapho uqede ukuchitha uyakuchithwa, nalapho usugcine ukukhohlisa, uyakukhohliswa nawe.

[2] Jehova, yiba nomusa kithi, sihlalela wena. Yiba yingalo yethu ekuseni njalo, nokusindiswa kwethu ngesikhathi sokuhlupheka.

[3]Ngezwi lokuhlokoma abantu bayabaleka; ngokuphakama kwakho izizwe ziyahlakazeka.

[4]Impango iyakubuthwa njengokubutha kwecimbi, nanjengokuhlasela kwezinkumbi iyakuhlaselwa.

[5] UJehova uphakeme, ngokuba uhlala phezulu; uligcwalisile iSiyoni ngokwahlulela nangokulunga.

[6]Kuyakuba khona ukuqiniseka ngesikhathi sakho, ubuningi bokusindiswa nokuhlakanipha nokwazi; ukumesaba uJehova kuyingcebo yakhe.

[7]Bheka, amaqhawe abo akhala ngaphandle; izithunywa zokuthula zikhala ngomunyu.

[8] Imigwaqo iyize, izihambi seziphelile; isivumelwano saphuliwe; imizi idelelwe; umuntu akanakekelewa.

alianças, as cidades são desprezadas, já não se faz caso do homem.

[9] A terra geme e desfalece; o Líbano se envergonha e se murcha; Sarom se torna como um deserto, Basã e Carmelo são despidos de suas folhas.

[10] Agora, me levantarei, diz o SENHOR; levantar-me-ei a mim mesmo; agora, serei exaltado.

[11] Concebestes palha, dareis à luz restolho; o vosso bufo enfurecido é fogo que vos há de devorar.

[12] Os povos serão queimados como se queima a cal; como espinhos cortados, arderão no fogo.

[13] Ouvi vós, os que estais longe, o que tenho feito; e vós, os que estais perto, reconhecei o meu poder.

[14] Os pecadores em Sião se assombram, o tremor se apodera dos ímpios; e eles perguntam: Quem dentre nós habitará com o fogo devorador? Quem dentre nós habitará com chamas eternas?

[15] O que anda em justiça e fala o que é reto; o que despreza o ganho de opressão; o que, com um gesto de mãos, recusa aceitar suborno; o que tapa os ouvidos, para não ouvir falar de homicídios, e fecha os olhos, para não ver o mal,

[16] este habitará nas alturas; as fortalezas das rochas serão o seu alto refúgio, o seu pão lhe será dado, as suas águas serão certas.

[9] Izwe liyalila, lidangele; iLebanoni linamahloni, liyabuna; iSharoni linjengehlane, iBashani neKarmeli kuyavuthulukisa.

[10] Sengiyakuvuka, usho uJehova; sengiyakuphakama; sengiyakuphakanyiswa.

[11] Niyakukhulelwa yizikhotha ezomileyo, nizale amabibi; ukuphefumula kwenu kungumlilo oniqothulayo.

[12]Abantu bayakushiswa njengokushiswa komcako, njengameva anqunyiweyo ashiswa ngomlilo.

[13]Yizwani nina enikude engikwenzileyo; nani eniseduze, vumani amandla ami.

[14] Izoni zaseSiyoni ziyesaba, ukuthuthumela kubambile abangenaNkulunkulu. Ngubani phakathi kwethu ongahlala nomlilo oqothulayo; ngubani phakathi kwethu ongahlala nokunkewuzela okuphakade na?

[15] Yena ohamba ngokulunga, okhuluma ngobuqotho, odelela inzuzo yokucindezela, othintitha izandla zakhe ukuze angamukeli imivuzo, ovala izindlebe zakhe ukuze angezwa ngegazi, ocimeza amehlo akhe ukuze angaboni okubi,

[16]yena uyakuhlala ekuphakameni, izinqaba zamadwala zibe yisivikelo sakhe, aphiwe isinkwa sakhe, amanzi akhe athembeke.

[17] Os teus olhos verão o rei na sua formosura, verão a terra que se estende até longe.

[18] O teu coração se recordará dos terrores, dizendo: Onde está aquele que registrou, onde, o que pesou o tributo, onde, o que contou as torres?

[19] Já não verás aquele povo atrevido, povo de fala obscura, que não se pode entender, e de língua bárbara, ininteligível.

[20] Olha para Sião, a cidade das nossas solenidades; os teus olhos verão a Jerusalém, habitação tranqüila, tenda que não será removida, cujas estacas nunca serão arrancadas, nem rebentada nenhuma de suas cordas.

[21] Mas o SENHOR ali nos será grandioso, fará as vezes de rios e correntes largas; barco nenhum de remo passará por eles, navio grande por eles não navegará.

[22] Porque o SENHOR é o nosso juiz, o SENHOR é o nosso legislador, o SENHOR é o nosso Rei; ele nos salvará.

[23] Agora, as tuas enxárcias estão frouxas; não podem ter firme o mastro, nem estender a vela. Então, se repartirá a presa de abundantes despojos; até os coxos participarão dela.

[24] Nenhum morador de Jerusalém dirá: Estou doente; porque ao povo que habita nela, perdoar-se-lhe-á a sua iniqüidade.

[17]Amehlo akho ayakuyibona inkosi ebuhleni bayo, ayakubona izwe elelulekele kude.

[18]Inhliziyo yakho iyakucabanga ngovalo, ithi: Uphi umbhali, uphi olinganisile intela, uphi obalile imibhoshongo na?

[19]Awuyikubona abantu abanobudlova, abantu abanokukhuluma okujulileyo ongenakukuzwa, nabalulimi lwabo olukwitizayo kungekho ongaluqonda.

[20] Kepha bheka iSiyoni, umuzi wemikhosi yethu; amehlo akho mawabuke iJerusalema, indlu yokuthula, itende elingayikususwa, elizikhonkwane zalo aziyikusishulwa nanini, nelizintambo zalo aziyikugqashulwa neyodwa.

[21]Kunalokho uJehova uyakuba nathi khona ebukhosini esikhundleni semifula nemifudlana ebanzi, lapho kungayikuhamba khona izikebhe ezinamaphini, nomkhumbi omkhulu ungadluli kuyo.

[22]Ngokuba uJehova ungumahluleli wethu, uJehova ungumenzi wemithetho yethu, uJehova uyinkosi yethu; uyakusisindisa.

[23]Izintambo zakho ziyaxega, azinakusiqinisa isiqu sensika yabo, azinakumeneka useyili; khona iyakwabelwa impango enkulu ephangiweyo; nezinyonga ziyakuthatha impango.

[24] Abakhe khona abayikusho ukuthi: Ngiyagula, abantu abahlala khona bayakuthethelelwa ububi babo.

Isaías 34

A indignação de Deus contra as nações

[1] Chegai-vos, nações, para ouvir, e vós, povos, escutai; ouça a terra e a sua plenitude, o mundo e tudo quanto produz.

[2] Porque a indignação do SENHOR está contra todas as nações, e o seu furor, contra todo o exército delas; ele as destinou para a destruição e as entregou à matança.

[3] Os seus mortos serão lançados fora, dos seus cadáveres subirá o mau cheiro, e do sangue deles os montes se inundarão.

[4] Todo o exército dos céus se dissolverá, e os céus se enrolarão como um pergaminho; todo o seu exército cairá, como cai a folha da vide e a folha da figueira.

[5] Porque a minha espada se embriagou nos céus; eis que, para exercer juízo, desce sobre Edom e sobre o povo que destinei para a destruição.

[6] A espada do SENHOR está cheia de sangue, engrossada da gordura e do sangue de cordeiros e de bodes, da gordura dos rins de carneiros; porque o SENHOR tem sacrifício em Bozra e grande matança na terra de Edom.

[7] Os bois selvagens cairão com eles, e os novilhos, com os touros; a sua terra se embriagará de sangue, e o seu pó se tornará fértil com a gordura.

U-Isaya 34

Ukwahlulelwa kuka-Edomi

[1] Sondelani nina zizwe, nizwe, nilalele nina bantu: makuzwe umhlaba nokugcwala kwawo, nezwe nakho konke okuvela kulo.

[2]Ngokuba uJehova uthukuthelela izizwe zonke, ufuthekela yonke impi yazo; uziqalekisile, uzinikele ekubulaweni.

[3] Ababuleweyo bazo balahliwe, nokunuka kuyenyuka ezidunjini zabo; izintaba zincibilika ngegazi labo.

[4] Ibandla lonke lasezulwini liyaphela, izulu lisongwe njengomqulu; ibandla lonke liyawa njengokuwa kweqabunga emvinini nanjengokubunileyo emkhiwaneni.

[5]Ngokuba inkemba yami izanelisile ngegazi ezulwini; bheka, iyakwehlela phezu kuka-Edomi naphezu kwabantu besiqalekiso sami ukuba ibahlulele.

[6] UJehova unenkemba; igcwele igazi, inonile ngamanoni nangegazi lamawundlu nelezimbuzi, nangamanoni ezinso zezinqama, ngokuba uJehova uyanikela eBosira, unokuhlaba okukhulu ezweni lakwa-Edomi.

[7]Izinyathi ziwa kanye nazo, nezinkunzana kanye nezinkunzi; izwe labo liyakugcwala igazi, nothuli lwabo luyakunona ngamanoni.

[8] Porque será o dia da vingança do SENHOR, ano de retribuições pela causa de Sião.

[9] Os ribeiros de Edom se transformarão em piche, e o seu pó, em enxofre; a sua terra se tornará em piche ardente.

[10] Nem de noite nem de dia se apagará; subirá para sempre a sua fumaça; de geração em geração será assolada, e para todo o sempre ninguém passará por ela.

[11] Mas o pelicano e o ouriço a possuirão; o bufo e o corvo habitarão nela. Estender-se-á sobre ela o cordel de destruição e o prumo de ruína.

[12] Já não haverá nobres para proclamarem um rei; os seus príncipes já não existem.

[13] Nos seus palácios, crescerão espinhos, e urtigas e cardos, nas suas fortalezas; será uma habitação de chacais e morada de avestruzes.

[14] As feras do deserto se encontrarão com as hienas, e os sátiros clamarão uns para os outros; fantasmas ali pousarão e acharão para si lugar de repouso.

[15] Aninhar-se-á ali a coruja, e porá os seus ovos, e os chocará, e na sombra abrigará os seus filhotes; também ali os abutres se ajuntarão, um com o outro.

[16] Buscai no livro do SENHOR e lede: Nenhuma destas criaturas falhará, nem

[8] Ngokuba kulusuku lokuphindisela kukaJehova; ngumnyaka wokubuyisela ngendaba yaseSiyoni.

[9]Imifudlana yakhona iyakuphenduka ikolitayi, uthuli lwakhona lube yisibabule, nezwe langakhona libe yikolitayi elivuthayo.

[10] Aliyikucinywa ubusuku nemini; umusi walo uyakukhuphuka kuze kube phakade; izizukulwane ngezizukulwane liyakuba yize, akuyikulidabula muntu nanini nanini.

[11] Liyakuba yifa levuba nelikanondwebu, kwakhe kulo isikhova negwababa; uyakwelula phezu kwalo intambo yencithakalo, nomthofu wokumisa wokuyize.

[12]Phakathi kwabakhulu balo akakho oyakumemezela umbuso, nazo zonke izikhulu zalo ziyakuba yinto engelutho.

[13] Ameva ayakukhuphukela ezindlini zamakhosi, izimbabazane namakhakhasi ezinqabeni zalo, libe yikhaya lamakhanka negceke lezintshe.

[14] Izilwane zasehlane ziyakuhlangana nezimpungushe, nedemoni liyakukhala kumngane walo, kwakhe khona umkhovu, uzitholele indawo yokuphumula.

[15]Lapho umantshingeyana uyakwakha ikhaya lakhe, azalele, achamisele, afukame ngomthunzi wakhe, kubuthane khona nawonhloyile, kube yilowo nalowo nomngane wakhe.

[16]Funani encwadini kaJehova, nifunde; ayiyikusilala nento eyodwa kulokhu,

uma nem outra faltará; porque a boca do SENHOR o ordenou, e o seu Espírito mesmo as ajuntará.
[17] Porque ele lançou as sortes a favor delas, e a sua mão lhes repartiu a terra com o cordel; para sempre a possuirão, através de gerações habitarão nela.

ayikho eyakuswela umngane wayo, ngokuba ngumlomo wakhe okuyalezile, nomoya wakhe okuhlanganisile.
[17]Nguye okwenzele inkatho; yisandla sakhe esikwabele ngentambo; kuyakudla ifa lalo kuze kube phakade, izizukulwane ngezizukulwane kuyakuhlala kulo.

Isaías 35

A felicidade na Sião futura

[1] O deserto e a terra se alegrarão; o ermo exultará e florescerá como o narciso.

[2] Florescerá abundantemente, jubilará de alegria e exultará; deu-se-lhes a glória do Líbano, o esplendor do Carmelo e de Sarom; eles verão a glória do SENHOR, o esplendor do nosso Deus.

[3] Fortalecei as mãos frouxas e firmai os joelhos vacilantes.

[4] Dizei aos desalentados de coração: Sede fortes, não temais. Eis o vosso Deus. A vingança vem, a retribuição de Deus; ele vem e vos salvará.

[5] Então, se abrirão os olhos dos cegos, e se desimpedirão os ouvidos dos surdos;

[6] os coxos saltarão como cervos, e a língua dos mudos cantará; pois águas arrebentarão no deserto, e ribeiros, no ermo.

[7] A areia esbraseada se transformará em lagos, e a terra sedenta, em mananciais de

U-Isaya 35

Intokozo yabakhululiweyo beNkosi

[1] Kuyakujabula ihlane nogwadule, kuthokoze uqwathule, lukhahlele njengentebe.
[2]Luyakukhahlela kahle, luthokoze, yebo, luthokoze, luhube; luyakuphiwa udumo lweLebanoni, nobukhosi beKarmeli nobeSharoni, lubone inkazimulo kaJehova, nobukhosi bukaNkulunkulu wethu.
[3] Qinisani izandla ezibuthakathaka, nimise amadolo axegayo.
[4] Yishoni kwabanenhliziyo eyesabayo ukuthi: Qinani, ningesabi; bhekani, uNkulunkulu wenu uyeza ngokuphindisela, impindiselo ivela kuNkulunkulu; nguye oza ukunisindisa.
[5] Khona amehlo ezimpumputhe ayakuvulwa, zivuleke nezindlebe zezithulu.
[6]Khona unyonga luyakutshekula njengendluzele, nolimi lwesimungulu luyakuhuba, ngokuba ehlane kuyakubhoboka amanzi, nemifudlana kwahlongasibi.
[7] Isihlabathi esibengezelayo siyakuba yichibi, isigagadu sibe yimithombo

águas; onde outrora viviam os chacais, crescerá a erva com canas e juncos.

yamanzi; ekhaya lamakhanka lapho ayebuthisa khona kuyakuba khona igceke lomhlanga nekhwani.

8 E ali haverá bom caminho, caminho que se chamará o Caminho Santo; o imundo não passará por ele, pois será somente para o seu povo; quem quer que por ele caminhe não errará, nem mesmo o louco.

8 Kuyakuba khona umendo nendlela eyakuthiwa iNdlela Yobungcwele; ongcolileyo akayikuhamba ngayo, kepha iyakuba ngeyabantu bakhe; abahamba ngayo, noma beyiziwula, abayikuduka kuyo.

9 Ali não haverá leão, animal feroz não passará por ele, nem se achará nele; mas os remidos andarão por ele.

9 Akuyikuba khona lapho ingonyama, nesilwane esihahayo asiyikukhuphukela khona; lokho akuyikufunyanwa khona, kepha abakhululiweyo bayakuhamba ngayo.

10 Os resgatados do SENHOR voltarão e virão a Sião com cânticos de júbilo; alegria eterna coroará a sua cabeça; gozo e alegria alcançarão, e deles fugirá a tristeza e o gemido.

10 Abahlengiweyo bakaJehova bayakubuya baye eSiyoni ngokwethaba, intokozo engunaphakade ibe phezu kwamakhanda abo; bayakuthola ukujabula nokuthokoza, kubaleke usizi nokububula.

Isaías 36

Senaquerib e invade Judá

2 Reis 18.13-18; 2 Crônicas 32.1-8

1 No ano décimo quarto do rei Ezequias, subiu Senaquerib e, rei da Assíria, contra todas as cidades fortificadas de Judá e as tomou.

2 O rei da Assíria enviou Rabsaqué, de Laquis a Jerusalém, ao rei Ezequias, com grande exército; parou ele na extremidade do aqueduto do açude superior, junto ao caminho do campo do lavadeiro.

3 Então, saíram a encontrar-se com ele Eliaquim, filho de Hilquias, o mordomo,

U-Isaya 36

Ukuhlaselwa kwelakwaJuda nguSaneheribi

1 Kwathi ngomnyaka weshumi nane wenkosi uHezekiya, uSaneheribi, inkosi yase-Asiriya, wenyuka wahlasela yonke imizi ebiyelweyo yakwaJuda, wayithatha.

2 Inkosi yase-Asiriya yathuma uRabi Shake, asuke eLakishi, aye eJerusalema enkosini uHezekiya, enempi enkulu, wema ngasemseleni wechibi lasenhla, elingasendleleni yeNsimu Yomhlanzi.

3Kwase kuphumela kuye u-Eliyakimi indodana kaHilikiya owayephezu

Sebna, o escrivão, e Joá, filho de Asafe, o cronista.

kwendlu, noShebina umbhali, noJowa indodana ka-Asafa, umabhalana.

Rabsaqué afronta a Ezequias e ao Senhor

2 Reis 18.19-37; 2 Crônicas 32.9-19

4 Rabsaqué lhes disse: Dizei a Ezequias: Assim diz o sumo rei, o rei da Assíria: Que confiança é essa em que te estribas?

4Wathi kubo uRabi Shake: Ake nisho kuHezekiya, nithi: Isho kanje inkosi enkulu, inkosi yase-Asiriya, ithi: Yithemba lini leli olethembayo na?

5 Bem posso dizer-te que teu conselho e poder para a guerra não passam de vãs palavras; em quem, pois, agora confias, para que te rebeles contra mim?

5Wena uyakhuluma, kepha kungamazwi angawomlomo nje lana ngesu nangamandla okulwa. Pho, wethemba bani, lokhu ungihlubukile na?

6 Confias no Egito, esse bordão de cana esmagada, o qual, se alguém nele apoiar-se, lhe entrará pela mão e a traspassará; assim é Faraó, rei do Egito, para com todos os que nele confiam.

6Bheka, wethemba udondolo lwalo mhlanga ofecekileyo oyiGibithe; kepha uma umuntu ezimelela ngalo, luyangena esandleni sakhe, lusihlabe; unjalo uFaro inkosi yaseGibithe kubo bonke abamethembayo.

7 Mas, se me dizes: Confiamos no SENHOR, nosso Deus, não é esse aquele cujos altos e altares Ezequias removeu e disse a Judá e a Jerusalém: Perante este altar adorareis?

7Kepha uma nithi kimi: Siyamethemba uJehova uNkulunkulu wethu, akusiye yini ozindawo zakhe eziphakemeyo nama-altare akhe akususile uHezekiya, wathi kuJuda nakulo iJerusalema: Niyakukhuleka phambi kwaleli altare, na?

8 Ora, pois, empenha-te com meu senhor, rei da Assíria, e dar-te-ei dois mil cavalos, se de tua parte achares cavaleiros para os montar.

8 Ngalokho ake uvumelane nenkosi yami, inkosi yase-Asiriya, ngiyakukunika amahhashi ayizinkulungwane ezimbili, uma ungabeka izinkweli kuzo.

9 Como, pois, se não podes afugentar um só capitão dos menores dos servos do meu senhor, confias no Egito por causa dos carros e cavaleiros?

9Pho, ungaphindisela emuva kanjani nenduna eyodwa ezincekwini ezincane zenkosi yami na? Nokho wethemba iGibithe ukuthola khona izinqola nabamahhashi.

10 Acaso, subi eu agora sem o SENHOR contra esta terra, para a destruir? Pois o

10Manje ngenyukele yini ngaphandle kukaJehova kuleli zwe ukuba ngilichithe,

SENHOR mesmo me disse: Sobe contra a terra e destrói-a.

11 Então, disseram Eliaquim, Sebna e Joá a Rabsaqué: Pedimos-te que fales em aramaico aos teus servos, porque o entendemos, e não nos fales em judaico, aos ouvidos do povo que está sobre os muros.

12 Mas Rabsaqué lhes respondeu: Mandou-me, acaso, o meu senhor para dizer-te estas palavras a ti somente e a teu senhor? E não, antes, aos homens que estão assentados sobre os muros, para que comam convosco o seu próprio excremento e bebam a sua própria urina?

13 Então, Rabsaqué se pôs em pé, e clamou em alta voz em judaico, e disse: Ouvi as palavras do sumo rei, do rei da Assíria.

14 Assim diz o rei: Não vos engane Ezequias; porque não vos poderá livrar.

15 Nem tampouco Ezequias vos faça confiar no SENHOR, dizendo: O SENHOR certamente nos livrará, e esta cidade não será entregue nas mãos do rei da Assíria.

16 Não deis ouvidos a Ezequias; porque assim diz o rei da Assíria: Fazei as pazes comigo e vinde para mim; e comei, cada um da sua própria vide e da sua própria figueira, e bebei, cada um da água da sua própria cisterna;

na? UJehova wathi kimi: Yenyukela kulelo zwe, ulichithe.

11Base bethi o-Eliyakimi noShebina noJowa kuRabi Shake: Ake ukhulume ezincekwini zakho ngesi-Aramu, ngokuba siyaluzwa, ungakhulumi kithi ngolimi lwabaJuda ezindlebeni zabantu abasogangeni.

12Kepha uRabi Shake wathi: Inkosi yami ingithumile yini enkosini yakho nakuwena ukukhuluma lawamazwi na? Hhayi kulaba bantu yini abahlezi ogangeni ukuba badle amasimba abo, baphuze umshobingo wabo kanye nani, na?

13Wayesema uRabi Shake, wamemeza ngezwi elikhulu ngolimi lwabaJuda, wathi: Zwanini amazwi enkosi enkulu, inkosi yase-Asiriya.

14Isho kanje inkosi, ithi: Maningakhohliswa nguHezekiya, ngokuba akayikuba namandla okunophula;

15 futhi uHezekiya makanganenzi nethembe uJehova ngokuthi: UJehova uyakusophula nokusophula, nalo muzi awuyikunikelwa esandleni senkosi yase-Asiriya.

16 Ningamlaleli uHezekiya, ngokuba inkosi yase-Asiriya isho kanje, ithi: Yenzani ukuthula nami, niphumele kimi, nidle, kube yilowo nalowo emvinini wakhe, kube yilowo nalowo emkhiwaneni wakhe, niphuze, kube yilowo nalowo amanzi omthombo wakhe,

[17] até que eu venha e vos leve para uma terra como a vossa; terra de cereal e de vinho, terra de pão e de vinhas.

[18] Não vos engane Ezequias, dizendo: O SENHOR nos livrará. Acaso, os deuses das nações livraram cada um a sua terra das mãos do rei da Assíria?

[19] Onde estão os deuses de Hamate e de Arpade? Onde estão os deuses de Sefarvaim? Acaso, livraram eles a Samaria das minhas mãos?

[20] Quais são, dentre todos os deuses destes países, os que livraram a sua terra das minhas mãos, para que o SENHOR livre a Jerusalém das minhas mãos?

[21] Eles, porém, se calaram e não lhe responderam palavra; porque assim lhes havia ordenado o rei, dizendo: Não lhe respondereis.

[22] Então, Eliaquim, filho de Hilquias, o mordomo, e Sebna, o escrivão, e Joá, filho de Asafe, o cronista, rasgaram suas vestes, vieram ter com Ezequias e lhe referiram as palavras de Rabsaqué.

Isaías 37

Ezequias consulta a Isaías
2 Reis 19.1-7

[1] Tendo o rei Ezequias ouvido isto, rasgou as suas vestes, cobriu-se de pano de saco e entrou na Casa do SENHOR.

[17]ngize ngifike, nginiyise ezweni elinjengezwe lakini, izwe lamabele nelewayini, izwe lesinkwa nelezivini.

[18] Xwayani ukuba uHezekiya anganiyengi ngokuthi: UJehova uyakusophula. Abanye onkulunkulu bezizwe bake bophula nokophula yini izwe lakubo esandleni senkosi yase-Asiriya na?

[19]Baphi onkulunkulu baseHamati nase-Aripadi; baphi onkulunkulu baseSefarivayimi na? Balophulile iSamariya esandleni sami na?

[20]Ngobani phakathi kwabo bonke onkulunkulu balawa mazwe abophule izwe lakubo esandleni sami ukuba uJehova alophule iJerusalema esandleni sami na?

[21]Kepha bathula, abamphendulanga ngazwi, ngokuba umyalo wenkosi wathi: Ningamphenduli.

[22]Base befika u-Eliyakimi indodana kaHilikiya owayephezu kwendlu, noShebina umbhali, noJowa indodana ka-Asafa, umabhalana, kuHezekiya, izingubo zabo ziklebhukile, bamlandisa amazwi kaRabi Shake.

U-Isaya 37

Isiprofetho sika-Isaya ngabase-Asiriya

[1] Kwathi inkosi uHezekiya ikuzwile lokho, yaklebhula izingubo zayo, yazembesa indwangu yamasaka, yangena endlini kaJehova.

[2] Então, enviou a Eliaquim, o mordomo, a Sebna, o escrivão, e aos anciãos dos sacerdotes, com vestes de pano de saco, ao profeta Isaías, filho de Amoz,

[3] os quais lhe dissessem: Assim diz Ezequias: Este dia é dia de angústia, de castigo e de opróbrio; porque filhos são chegados à hora de nascer, e não há força para dá-los à luz.

[4] Porventura, o SENHOR, teu Deus, terá ouvido as palavras de Rabsaqué, a quem o rei da Assíria, seu senhor, enviou para afrontar o Deus vivo, e repreenderá as palavras que o SENHOR ouviu; faze, pois, tuas orações pelos que ainda subsistem.

[5] Foram, pois, os servos do rei Ezequias ter com Isaías;

[6] Isaías lhes disse: Dizei isto a vosso senhor: Assim diz o SENHOR: Não temas por causa das palavras que ouviste, com as quais os servos do rei da Assíria blasfemaram contra mim.

[7] Eis que meterei nele um espírito, e ele, ao ouvir certo rumor, voltará para a sua terra; e nela eu o farei cair morto à espada.

A carta do rei da Assíria

2 Reis 19.8-13

[8] Voltou, pois, Rabsaqué e encontrou o rei da Assíria pelejando contra Libna; porque ouvira que o rei já se havia retirado de Laquis.

[9] O rei ouviu que, a respeito de Tiraca, rei da Etiópia, se dizia: Saiu para guerrear

[2]Yathuma u-Eliyakimi owayephezu kwendlu, noShebina umbhali, namalunga abapristi, bembeswe izindwangu zamasaka, ku-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose.

[3] Bathi kuye: Usho kanje uHezekiya, uthi: Lolu suku lungusuku losizi nolokusolwa nolokudelelwa, ngokuba abantwana sebefikile ekuzalweni, kepha amandla okubeletha awakho.

[4]Mhlawumbe uJehova uNkulunkulu wakho uyakuzwa amazwi kaRabi Shake othunywe yinkosi yase-Asiriya, inkosi yakhe, ukweyisa uNkulunkulu ophilayo, asole amazwi uJehova uNkulunkulu wakho awezwileyo; ngalokho phakamisela insali esafunyanwayo umkhuleko wakho.

[5]Izinceku zenkosi uHezekiya sezifikile ku-Isaya,

[6]u-Isaya wathi kuzo: Niyakusho kanje enkosini yenu, nithi: Usho kanje uJehova, uthi: Ungesabi lawo mazwi owezwileyo, izinceku zenkosi yase-Asiriya ezingithuke ngawo.

[7]Bhekani, ngiyakubeka umoya kuyo, izwe amahemuhemu, ibuyele ezweni lakubo, ngiyiwise ngenkemba ezweni lakubo.

[8]Wayesebuya uRabi Shake, wafumana inkosi yase-Asiriya ilwa neLibina, ngokuba wayezwile ukuthi isukile eLakishi.

[9]Kepha isizwile ngoTirahaka, inkosi yaseKushe, ukuthi: Uphumile ukulwa

contra ti. Assim que ouviu isto, enviou mensageiros a Ezequias, dizendo:

10 Assim falareis a Ezequias, rei de Judá: Não te engane o teu Deus, em quem confias, dizendo: Jerusalém não será entregue nas mãos do rei da Assíria.

11 Já tens ouvido o que fizeram os reis da Assíria a todas as terras, como as destruíram totalmente; e crês tu que te livrarias?

12 Porventura, os deuses das nações livraram os povos que meus pais destruíram: Gozã, Harã, Rezefe e os filhos de Éden, que estavam em Telassar?

13 Onde está o rei de Hamate, e o rei de Arpade, e o rei da cidade de Sefarvaim, de Hena e de Iva?

A oração de Ezequias

2 Reis 19.14-19

14 Tendo Ezequias recebido a carta das mãos dos mensageiros, leu-a; então, subiu à Casa do SENHOR, estendeu-a perante o SENHOR

15 e orou ao SENHOR, dizendo:

16 Ó SENHOR dos Exércitos, Deus de Israel, que estás entronizado acima dos querubins, tu somente és o Deus de todos os reinos da terra; tu fizeste os céus e a terra.

17 Inclina, ó SENHOR, os ouvidos e ouve; abre, SENHOR, os olhos e vê; ouve todas as palavras de Senaqueribe, as quais ele enviou para afrontar o Deus vivo.

nawe, lapho ikuzwa lokho, yathuma izithunywa kuHezekiya, yathi:

10 Niyakukhuluma kanje kuHezekiya, inkosi yakwaJuda, nithi: UNkulunkulu wakho omethembayo makangakukhohlisi ngokuthi iJerusalema aliyikunikelwa esandleni senkosi yase-Asiriya.

11Bheka, wena uzwile okwenziwa ngamakhosi ase-Asiriya kuwo onke amazwe ngokuwachitha; pho, wena uyakophulwa na?

12Onkulunkulu balezo zizwe ezachithwa ngobaba, iGozani, neHarana, neResefi, nabantwana base-Edene ababeseThelasari bazophula na?

13Iphi inkosi yaseHamati, nenkosi yase-Aripadi, nenkosi yomuzi waseSefarivayimi, naseHena, nase-Iva na?

14UHezekiya wayamukela incwadi esandleni sezithunywa, wayifunda; uHezekiya wayesenyukela endlini kaJehova, wayeneka phambi kukaJehova.

15UHezekiya wakhuleka phambi kukaJehova, wathi:

16 Jehova Sebawoti, Nkulunkulu ka-Israyeli, ohlezi phezu kwamakherubi, wena unguNkulunkulu, wena wedwa, wemibuso yonke yomhlaba, wena wenzile izulu nomhlaba.

17Beka indlebe yakho, Jehova, uzwe; vula amehlo akho, Jehova, ubone, uzwe onke amazwi kaSaneheribi athume ukweyisa ngawo uNkulunkulu ophilayo.

[18] Verdade é, SENHOR, que os reis da Assíria assolaram todos os países e suas terras

[19] e lançaram no fogo os deuses deles, porque deuses não eram, senão obra de mãos de homens, madeira e pedra; por isso, os destruíram.

[20] Agora, pois, ó SENHOR, nosso Deus, livra-nos das suas mãos, para que todos os reinos da terra saibam que só tu és o SENHOR.

O profeta conforta a Ezequias
2 Reis 19.20-34

[21] Então, Isaías, filho de Amoz, mandou dizer a Ezequias: Assim diz o SENHOR, o Deus de Israel: Visto que me pediste acerca de Senaqueribe, rei da Assíria,

[22] esta é a palavra que o SENHOR falou a respeito dele: A virgem, filha de Sião, te despreza e zomba de ti; a filha de Jerusalém meneia a cabeça por detrás de ti.

[23] A quem afrontaste e de quem blasfemaste? E contra quem alçaste a voz e arrogantemente ergueste os olhos? Contra o Santo de Israel.

[24] Por meio dos teus servos, afrontaste o SENHOR e disseste: Com a multidão dos meus carros, subi ao cimo dos montes, ao mais interior do Líbano; deitarei abaixo os seus altos cedros e os ciprestes escolhidos, chegarei ao seu mais alto cimo, ao seu denso e fértil pomar.

[18] Yiqiniso, Jehova; amakhosi ase-Asiriya achithile izizwe zonke namazwe azo,

[19] alahlile onkulunkulu bawo emlilweni, ngokuba babengesibo onkulunkulu, babe ngumsebenzi wezandla zomuntu kuphela, umuthi namatshe; ngalokho abachithile.

[20]Manje, Jehova Nkulunkulu wethu, sisindise esandleni sakhe ukuba yonke imibuso yomhlaba yazi ukuthi wena unguJehova, wena wedwa.

[21]U-Isaya indodana ka-Amose wathumela kuHezekiya, wathi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Njengalokhu ukhuleke kimi ngoSaneheribi inkosi yase-Asiriya,

[22]nanti izwi uJehova alikhulume ngaye ukuthi: Ikudelele, yakuhleka usulu intombi, indodakazi yaseSiyoni; ikunikinele ikhanda indodakazi yaseJerusalema.

[23]Weyise bani, wethuka bani, na? Uphakamisele bani izwi lakho, wabhekisa phezulu amehlo akho, na? NgoNgcwele ka-Israyeli!

[24]Ngesandla sezinceku zakho uyijivazile iNkosi, wathi: Ngobuningi bezinqola zami ngenyuke mina phezulu ezintabeni ngaphakathi kweLebanoni; ngigawula imisedari yalo emide nemisayipuresi yalo ekhethekileyo ngangena ekuphakameni kwalo kokugcina nasehlathini lalo eliminyeneyo.

[25] Cavei e bebi as águas e com a planta de meus pés sequei todos os rios do Egito.

[26] Acaso, não ouviste que já há muito dispus eu estas coisas, já desde os dias remotos o tinha planejado? Agora, porém, as faço executar e eu quis que tu reduzisses a montões de ruínas as cidades fortificadas.

[27] Por isso, os seus moradores, debilitados, andaram cheios de temor e envergonhados; tornaram-se como a erva do campo, e a erva verde, e o capim dos telhados, e o cereal queimado antes de amadurecer.

[28] Mas eu conheço o teu assentar, e o teu sair, e o teu entrar, e o teu furor contra mim.

[29] Por causa do teu furor contra mim, e porque a tua arrogância subiu até aos meus ouvidos, eis que porei o meu anzol no teu nariz, e o meu freio, na tua boca, e te farei voltar pelo caminho por onde vieste.

[30] Isto te será por sinal: este ano se comerá o que espontaneamente nascer e no segundo ano o que daí proceder; no terceiro ano, porém, semeai e colhei, plantai vinhas e comei os seus frutos.

[31] O que escapou da casa de Judá e ficou de resto tornará a lançar raízes para baixo e dará fruto por cima;

[25]Ngemba, ngaphuza amanzi; ngomisa ngamathe onyawo lwami yonke imifula yaseGibithe.

[26] Awuzwanga ukuthi kade ngakwenza na? Emihleni yasendulo ngakunquma; manje sengikulethile ukuba uchithe imizi ebiyelweyo ibe yizinqwaba.

[27] Abakhe kuyo babe namandla amancane, besaba, bajabha; baba njengotshani basendle, nembali notshani obuluhlaza, nokuluhlaza ezimpahleni zezindlu, namabele ahamukile engakakhuli.

[28] Kepha ukuhlala kwakho, nokuphuma kwakho, nokungena kwakho ngiyakwazi, nokubhovumula kwakho ngami.

[29] Ngenxa yokubhovumula kwakho ngami, nangokuba ukuzidla kwakho kwenyukele ezindlebeni zami, ngiyakufaka ingwegwe yami emakhaleni akho netomu lami emlonyeni wakho, ngikubuyise ngendlela oweza ngayo.

[30] Lokhu kuyakuba yisibonakaliso kuwe: Niyakudla ngalo mnyaka okuzikhulelayo, nangomnyaka wesibili isihlabane, nangomnyaka wesithathu hlwanyelani, nivune, nitshale izivini, nidle izithelo zazo.

[31]Abasindileyo bendlu yakwaJuda abaseleyo bayakubuye bagxile phansi, bathele izithelo phezulu.

[32] porque de Jerusalém sairá o restante, e do monte Sião, o que escapou. O zelo do SENHOR dos Exércitos fará isto.

[33] Pelo que assim diz o SENHOR acerca do rei da Assíria: Não entrará nesta cidade, nem lançará nela flecha alguma, não virá perante ela com escudo, nem há de levantar tranqueiras contra ela.

[34] Pelo caminho por onde vier, por esse voltará; mas nesta cidade não entrará, diz o SENHOR.

[35] Porque eu defenderei esta cidade, para a livrar, por amor de mim e por amor do meu servo Davi.

A destruição do exército dos assírios

2 Reis 19.35-37; 2 Crônicas 32.21-22

[36] Então, saiu o Anjo do SENHOR e feriu no arraial dos assírios a cento e oitenta e cinco mil; e, quando se levantaram os restantes pela manhã, eis que todos estes eram cadáveres.

[37] Retirou-se, pois, Senaqueribe, rei da Assíria, e se foi; voltou e ficou em Nínive.

[38] Sucedeu que, estando ele a adorar na casa de Nisroque, seu deus, Adrameleque e Sarezer, seus filhos, o feriram à espada e fugiram para a terra de Ararate; e Esar-Hadom, seu filho, reinou em seu lugar.

Isaías 38

A doença de Ezequias e a sua cura maravilhosa

2 Reis 20.1-11; 2 Crônicas 32.24-31

[32] Ngokuba kuyakuphuma eJerusalema insali nasentabeni yaseSiyoni abayakusinda; ukushisekela kukaJehova Sebawoti kuyakufeza lokho.

[33] Ngalokho usho kanje uJehova ngenkosi yase-Asiriya, uthi: Ayiyikungena kulo muzi, ayiyikucibishela mcibisholo khona; ayiyikubhekisa kuwo isihlangu, ayiyikunqwabela iduli ngakuwo.

[34]Indlela eyafika ngayo iyakubuya ngayo; ayiyikungena kulo muzi, usho uJehova.

[35] Ngiyakuwuvikela lo muzi ukuba ngiwusindise ngenxa yami nangenxa yenceku yami uDavide.

[36]Kwaphuma ingelosi kaJehova, yabulala ekamu labase-Asiriya abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nanhlanu; sekuvukwa ngakusasa, bheka, kwakuyizidumbu ezifileyo zodwa.

[37]Wayesesuka uSaneheribi inkosi yase-Asiriya, wahamba, wabuya, wahlala eNineve.

[38]Kwathi ekhuleka endlini kaNisiroki unkulunkulu wakhe, o-Adirameleki noSareseri amadodana akhe bambulala ngenkemba, babalekela ezweni lase-Ararati. U-Esari Hadoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

U-Isaya 38

Ukugula nokusinda kukaHezekiya

[1] Naqueles dias, Ezequias adoeceu de uma enfermidade mortal; veio ter com ele o profeta Isaías, filho de Amoz, e lhe disse: Assim diz o SENHOR: Põe em ordem a tua casa, porque morrerás e não viverás.

[2] Então, virou Ezequias o rosto para a parede e orou ao SENHOR.

[3] E disse: Lembra-te, SENHOR, peço-te, de que andei diante de ti com fidelidade, com inteireza de coração e fiz o que era reto aos teus olhos; e chorou muitíssimo.

[4] Então, veio a palavra do SENHOR a Isaías, dizendo:

[5] Vai e dize a Ezequias: Assim diz o SENHOR, o Deus de Davi, teu pai: Ouvi a tua oração e vi as tuas lágrimas; acrescentarei, pois, aos teus dias quinze anos.

[6] Livrar-te-ei das mãos do rei da Assíria, a ti e a esta cidade, e defenderei esta cidade.
[7] Ser-te-á isto da parte do SENHOR como sinal de que o SENHOR cumprirá esta palavra que falou:

[8] eis que farei retroceder dez graus a sombra lançada pelo sol declinante no relógio de Acaz. Assim, retrocedeu o sol os dez graus que já havia declinado.

Cântico de Ezequias

[9] Cântico de Ezequias, rei de Judá, depois de ter estado doente e se ter restabelecido:

[1] Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula, wayephansi kokufa. Kwafika kuye u-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose, wathi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Yalela indlu yakho, ngokuba uyakufa, awuyikusinda.

[2]UHezekiya wayesephendulela ubuso bakhe odongeni, wakhuleka kuJehova,
[3]wathi: Ngiyacela, Jehova: ake ukhumbule ukuthi ngihambile phambi kwakho ngeqiniso nangenhliziyo epheleleyo, ngenzile okuhle emehlweni akho. Wayesekhala uHezekiya ngokukhala okukhulu.

[4]Lafika ku-Isaya izwi likaJehova, lathi:

[5] Hamba, uthi kuHezekiya: Usho kanje uJehova uNkulunkulu kaDavide uyihlo, uthi: Ngizwile umkhuleko wakho, ngibonile izinyembezi zakho; ngiyakwenezela ezinsukwini zakho iminyaka eyishumi nanhlanu.
[6]Ngiyakophula wena nalo muzi esandleni senkosi yase-Asiriya, ngiwuvikele lo muzi.
[7] Lesi siyakuba yisibonakaliso kuwe esivela kuJehova sokuthi uJehova uyakukwenza lokho akukhulumileyo:
[8]bheka, isithunzi sezinyathelo ilanga elizehlile ezinyathelweni zelanga zika-Ahazi ngiyakusibuyisa izinyathelo eziyishumi. Ilanga labuya-ke izinyathelo eziyishumi ezinyathelweni elizehlileyo.

Ihubo likaHezekiya

[9]Ihubo likaHezekiya inkosi yakwaJuda lapho wayekade egula, wasinda ekuguleni kwakhe:

[10] Eu disse: Em pleno vigor de meus dias, hei de entrar nas portas do além; roubado estou do resto dos meus anos.

[11] Eu disse: já não verei o SENHOR na terra dos viventes; jamais verei homem algum entre os moradores do mundo.

[12] A minha habitação foi arrancada e removida para longe de mim, como a tenda de um pastor; tu, como tecelão, me cortarás a vida da urdidura, do dia para a noite darás cabo de mim.

[13] Espero com paciência até à madrugada, mas ele, como leão, me quebrou todos os ossos; do dia para a noite darás cabo de mim.

[14] Como a andorinha ou o grou, assim eu chilreava e gemia como a pomba; os meus olhos se cansavam de olhar para cima. Ó SENHOR, ando oprimido, responde tu por mim.

[15] Que direi? Como prometeu, assim me fez; passarei tranqüilamente por todos os meus anos, depois desta amargura da minha alma.

[16] SENHOR, por estas disposições tuas vivem os homens, e inteiramente delas depende o meu espírito; portanto, restaura-me a saúde e faze-me viver.

[17] Eis que foi para minha paz que tive eu grande amargura; tu, porém, amaste a minha alma e a livraste da cova da corrupção, porque lançaste para trás de ti todos os meus pecados.

[10] Ngathi: Ngiphakathi nezinsuku zami ngiyakungena emasangweni endawo yabafileyo, ngaphuciwe inxenye yeminyaka yami.

[11]Ngathi: Angiyikumbona uJehova, uJehova ezweni labaphilayo; angisayikubuka muntu nginabakhileyo bezwe.

[12]Idokodo lami lisishuliwe, lasuswa kimi njengetende lomalusi; ngisongile ukuphila kwami njengomaluki; uyanginquma esalukweni; kusukela emini kuze kube sebusuku uyangiqeda.

[13]Ngakhala kwaze kwaba sekuseni; njengengonyama uyaphula onke amathambo ami; kusukela emini kuze kube sebusuku uyangiqeda.

[14] Ngatshiyozisa okwenkonjane, ngaliliselisa okwejuba; amehlo ami aphela ngokubheka phezulu; Nkosi, ngiyacindezelwa; yiba yisibambiso sami.

[15]Ngingakhuluma ngithini na? Ukhulumile kimi, ukwenzile yena. Ngiyakubinyabinyeka yonke iminyaka ngomunyu womphefumulo wami.

[16]Nkosi, abantu baphila ngalokho, nokuphila komoya wami kukulokho kuphelele; ngalokho mawungiphulukise, ungiphilise.

[17] Bheka, kwakungokuhle kimi ukuthi nganginomunyu; wena wawuthanda umphefumulo wami, waze waphuma egodini lokubhujiswa, ngokuba uzilahlile nyovane zonke izono zami.

[18] A sepultura não te pode louvar, nem a morte glorificar-te; não esperam em tua fidelidade os que descem à cova.

[19] Os vivos, somente os vivos, esses te louvam como hoje eu o faço; o pai fará notória aos filhos a tua fidelidade.

[20] O SENHOR veio salvar-me; pelo que, tangendo os instrumentos de cordas, nós o louvaremos todos os dias de nossa vida, na Casa do SENHOR.

[21] Ora, Isaías dissera: Tome-se uma pasta de figos e ponha-se como emplasto sobre a úlcera; e ele recuperará a saúde.

[22] Também dissera Ezequias: Qual será o sinal de que hei de subir à Casa do SENHOR?

Isaías 39

A embaixada da Babilônia

2 Reis 20.12-19

[1] Nesse tempo, Merodaque-Baladã, filho de Baladã, rei da Babilônia, enviou cartas e um presente a Ezequias, porque soube que estivera doente e já tinha convalescido.

[2] Ezequias se agradou disso e mostrou aos mensageiros a casa do seu tesouro, a prata, o ouro, as especiarias, os óleos finos, todo o seu arsenal e tudo quanto se achava nos seus tesouros; nenhuma coisa houve, nem em sua casa, nem em todo o seu domínio, que Ezequias não lhes mostrasse.

[3] Então, Isaías, o profeta, veio ao rei Ezequias e lhe disse: Que foi que aqueles

[18] Ngokuba indawo yabafileyo ayikubongi, nokufa akukudumisi; abehlela egodini ababheki ukuthembeka kwakho.

[19] Abaphilayo, abaphilayo bayakubonga njengami namuhla; uyise uyabazisa abantwana ukuthembeka kwakho.

[20] UJehova uyakungisindisa; ngalokho siyakubetha ngezingubhu ezinezintambo zonke izinsuku zokuhamba kwethu endlini kaJehova.

[21]U-Isaya wathi: Mabathathe isigaxa samakhiwane, basibeke ethumbeni, uyakusinda.

[22]Kepha uHezekiya wathi: Yisibonakaliso sini sokuba ngiyakwenyukela endlini kaJehova na?

U-Isaya 39

Izithunywa ezivela kuMerodaki Baladani

[1] Ngaleso sikhathi uMerodaki Baladani indodana kaBaladani inkosi yaseBabele wathuma abanezincwadi nesipho kuHezekiya, lapho ezwile ukuthi kade egula, kepha usesimamile.

[2]UHezekiya wathokoza ngabo, wababonisa indlu yengcebo yakhe, isiliva, negolide, namakha, namafutha amahle, nayo yonke indlu yezikhali zakhe, nakho konke okwafunyanwa engcebeni yakhe; akubangakho nto endlini yakhe nasembusweni wakhe wonke uHezekiya angababonisanga yona.

[3]Wayesefika u-Isaya, umprofethi, enkosini uHezekiya, wathi kuye: Batheni labo

homens disseram e donde vieram a ti? Respondeu Ezequias: De uma terra longínqua vieram a mim, da Babilônia.

4 Perguntou ele: Que viram em tua casa? Respondeu Ezequias: Viram tudo quanto há em minha casa; coisa nenhuma há nos meus tesouros que eu não lhes mostrasse.

5 Então, disse Isaías a Ezequias: Ouve a palavra do SENHOR dos Exércitos:
6 Eis que virão dias em que tudo quanto houver em tua casa, com o que entesouraram teus pais até ao dia de hoje, será levado para a Babilônia; não ficará coisa alguma, disse o SENHOR.

[22] Abayikwakha, kuhlale omunye; abayikutshala, kudle omunye, ngokuba izinsuku zabantu bami ziyakuba njengezinsuku zomuthi, nomsebenzi wezandla zabakhethiweyo bami uyakugugela kubo.

[23] Abayikushikashikela ize, bazalele izinhlupheko, ngokuba bayinzalo yababusisiweyo bakaJehova, nabantwana babo bayakuba nabo.

[24] Kuyakuthi bengakangibizi, mina ngiphendule; besakhuluma, mina ngiyakuzwa.

[25] Impisi iyakudla ndawonye newundlu, ingonyama idle utshani njengenkomo, uthuli lube ngukudla kwenyoka; aziyikulimaza, zingachithi kuyo yonke intaba yami engcwele, usho uJehova.

Isaías 66

Excluídos da nova Jerusalém os que praticam falsa religião

[1] Assim diz o SENHOR: O céu é o meu trono, e a terra, o estrado dos meus pés;

U-Isaya 66

[1] Usho kanje uJehova, uthi: Izulu liyisihlalo sami sobukhosi, umhlaba

que casa me edificareis vós? E qual é o lugar do meu repouso?

2 Porque a minha mão fez todas estas coisas, e todas vieram a existir, diz o SENHOR, mas o homem para quem olharei é este: o aflito e abatido de espírito e que treme da minha palavra.

3 O que imola um boi é como o que comete homicídio; o que sacrifica um cordeiro, como o que quebra o pescoço a um cão; o que oferece uma oblação, como o que oferece sangue de porco; o que queima incenso, como o que bendiz a um ídolo. Como estes escolheram os seus próprios caminhos, e a sua alma se deleita nas suas abominações,

4 assim eu lhes escolherei o infortúnio e farei vir sobre eles o que eles temem; porque clamei, e ninguém respondeu, falei, e não escutaram; mas fizeram o que era mau perante mim e escolheram aquilo em que eu não tinha prazer.

5 Ouvi a palavra do SENHOR, vós, os que a temeis: Vossos irmãos, que vos aborrecem e que para longe vos lançam por causa do vosso amor ao meu nome e que dizem: Mostre o SENHOR a sua glória, para que vejamos a vossa alegria, esses serão confundidos.

6 Voz de grande tumulto virá da cidade, voz do templo, voz do SENHOR, que dá o pago aos seus inimigos.

uyisenabelo sezinyawo zami; iphi leyo ndlu ebeniyakungakhela yona, iphi indawo yami yokuphumula, na?

2 Zonke lezi zinto zenziwe yisandla sami, kwavela kanjalo konke lokhu, usho uJehova. Kepha yilowo engiyakubheka kuye: ohluphekayo nonomoya ochobozekileyo, othuthumela ngezwi lami.

3 Ohlaba inkunzi ebulala nomuntu, nohlaba iwundlu eyaphula nentamo yenja, nonikela ngomnikelo wempuphu, kepha enikela nangegazi lezingulube, noshisa inhlaka, ebonga nesithombe, yebo, laba bakhethile izindlela zabo, nemiphefumulo yabo iyathokoza ngezinengiso zabo.

4 Ngalokho ngiyakubakhethela izinhlupho, ngibehlisele abakwesabayo, ngokuba ekubizeni kwami kwakungekho ophendulayo, nasekukhulumeni kwami abezwanga, kepha benza okubi emehlweni ami, bakhetha lokhu engingathokozanga ngakho.

5 Yizwani izwi likaJehova nina enithuthumela ngezwi lakhe. Abafowenu abanizondayo, abanixosha ngenxa yegama lami, bashilo bathi: Makazidumise uJehova ukuba sibone intokozo yenu, kepha bona bayakujabha.

6 Yizwi lomsindo elivela emzini, yizwi lasethempelini! Yizwi likaJehova ephindisela izenzo zezitha zakhe.

[7] Antes que estivesse de parto, deu à luz; antes que lhe viessem as dores, nasceu-lhe um menino.

[8] Quem jamais ouviu tal coisa? Quem viu coisa semelhante? Pode, acaso, nascer uma terra num só dia? Ou nasce uma nação de uma só vez? Pois Sião, antes que lhe viessem as dores, deu à luz seus filhos.

[9] Acaso, farei eu abrir a madre e não farei nascer? – diz o SENHOR; acaso, eu que faço nascer fecharei a madre? – diz o teu Deus.

A felicidade eterna de Sião

[10] Regozijai-vos juntamente com Jerusalém e alegrai-vos por ela, vós todos os que a amais; exultai com ela, todos os que por ela pranteastes,

[11] para que mameis e vos farteis dos peitos das suas consolações; para que sugueis e vos deleiteis com a abundância da sua glória.

[12] Porque assim diz o SENHOR: Eis que estenderei sobre ela a paz como um rio, e a glória das nações, como uma torrente que transborda; então, mamareis, nos braços vos trarão e sobre os joelhos vos acalentarão.

[13] Como alguém a quem sua mãe consola, assim eu vos consolarei; e em Jerusalém vós sereis consolados.

[14] Vós o vereis, e o vosso coração se regozijará, e os vossos ossos revigorarão como a erva tenra; então, o poder do SENHOR será notório aos seus servos, e ele se indignará contra os seus inimigos.

[7] ISiyoni lingakabi namihelo lazala; lingakehlelwa ngubuhlungu labeletha umntwana wesilisa.

[8]Ngubani ozwile okunjalo na? Ngubani obonile okunjengalokhu na? Izwe lingazalwa ngosuku olulodwa na? Isizwe singabelethwa kanyekanye na? Ngokuba iSiyoni lithe lisenemihelo, lazala abantwana balo.

[9]Mina ngiyakusondeza ekuzalweni ngingazalisi na? usho uJehova. Mina engingozalisayo bengiyakuvala na? usho uNkulunkulu wakho.

[10] Thokozani kanye neJerusalema, nilethabele nina nonke enilithandayo; jabulani ngenjabulo kanye nalo nina nonke enilililelayo,

[11]ukuze nincele, naneliswe ngamabele ezinduduzo zalo, nenyiselwe, nename ngokugcwala kwenkazimulo yalo.

[12] Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakwelulela kulo ukuthula njengomfula, nenkazimulo yezizwe njengomfudlana okhukhulayo, nincele, niphathwe ngezingalo zalo, niwothwe nisemathangeni.

[13] Njengoduduzwa ngunina, kanjalo ngiyakuniduduza nina, niduduzeke eJerusalema.

[14]Niyakukubona, izinhliziyo zenu zijabule, amathambo enu ahlume njengohlaza; isandla sikaJehova siyakwaziwa ukuthi sisezincekwini zakhe, athukuthelele izitha zakhe.

[15] Porque eis que o SENHOR virá em fogo, e os seus carros, como um torvelinho, para tornar a sua ira em furor e a sua repreensão, em chamas de fogo,

[16] porque com fogo e com a sua espada entrará o SENHOR em juízo com toda a carne; e serão muitos os mortos da parte do SENHOR.

[17] Os que se santificam e se purificam para entrarem nos jardins após a deusa que está no meio, que comem carne de porco, coisas abomináveis e rato serão consumidos, diz o SENHOR.

[18] Porque conheço as suas obras e os seus pensamentos e venho para ajuntar todas as nações e línguas; elas virão e contemplarão a minha glória.

[19] Porei entre elas um sinal e alguns dos que foram salvos enviarei às nações, a Társis, Pul e Lude, que atiram com o arco, a Tubal e Javã, até às terras do mar mais remotas, que jamais ouviram falar de mim, nem viram a minha glória; eles anunciarão entre as nações a minha glória.

[20] Trarão todos os vossos irmãos, dentre todas as nações, por oferta ao SENHOR, sobre cavalos, em liteiras e sobre mulas e dromedários, ao meu santo monte, a Jerusalém, diz o SENHOR, como quando os filhos de Israel trazem as suas ofertas de manjares, em vasos puros à Casa do SENHOR.

[15] Ngokuba bheka, uJehova uyakufika ngomlilo, izinqola zakhe zibe njengesivunguvungu, ukubuyisela intukuthelo yakhe ngokufutheka nokukhuza kwakhe ngamalangabi omlilo.

[16] Ngokuba uJehova uyakwahlulela inyama yonke ngomlilo nangenkemba; ababulawayo nguJehova bayakuba baningi.

[17] Abazingcwelisa, bazihlambululele ukungena ezivandeni belandela omiyo egcekeni, bedla inyama yezingulube, nezinengiso, nezimpuku, bayakuphela kanyekanye, usho uJehova.

[18] Ngiyazi imisebenzi yabo nemicabango yabo; ngiyeza ukubutha zonke izizwe nezilimi, zifike, zibone inkazimulo yami.

[19] Ngiyakubeka isibonakaliso phakathi kwazo, ngithume ababalekileyo babo kwabezizwe, eTharishishi, nasePhuli, naseLudi, abagoba umnsalo, nakuThubali naseJavani, eziqhingini ezikude, ezingezwanga umbiko ngami, zingabonanga inkazimulo yami, baze balande ngenkazimulo yami ezizweni.

[20] Bayakuletha bonke abafowenu bebakhipha ezizweni zonke ngamahhashi, nangezinqola, nangezinhlaka, nangeminyuzi, nangamakamela, babe ngumnikelo kaJehova, beze entabeni yami engcwele eJerusalema, usho uJehova, njengalokhu abantwana bakwa-Israyeli bewuletha umnikelo wabo ngesitsha esihlambulukileyo endlini kaJehova.

[21] Também deles tomarei a alguns para sacerdotes e para levitas, diz o SENHOR.

[22] Porque, como os novos céus e a nova terra, que hei de fazer, estarão diante de mim, diz o SENHOR, assim há de estar a vossa posteridade e o vosso nome.

[23] E será que, de uma Festa da Lua Nova à outra e de um sábado a outro, virá toda a carne a adorar perante mim, diz o SENHOR.

[24] Eles sairão e verão os cadáveres dos homens que prevaricaram contra mim; porque o seu verme nunca morrerá, nem o seu fogo se apagará; e eles serão um horror para toda a carne.

[21] Nakubona ngiyakuthatha abapristi namaLevi, usho uJehova.

[22] Ngokuba njengokuba izulu elisha nomhlaba omusha engiyakukwenza kuyakuma phambi kwami, usho uJehova, kanjalo kuyakuma inzalo yakho negama lakho.

[23] Kusukela ekwethwaseni kwenyanga kuye kwenye, kusukela kwelinye isabatha kuye kwelinye yonke inyama iyakufika ukukhuleka phambi kwami, usho uJehova.

[24] Bayakuphuma, babone izidumbu zabantu abaphambukile kimi, ngokuba impethu yabo ayiyikufa nomlilo wabo awuyikucima, babe yisinengiso kuyo yonke inyama.

Jeremias

Jeremias 1

A vocação de Jeremias

[1] Palavras de Jeremias, filho de Hilquias, um dos sacerdotes que estavam em Anatote, na terra de Benjamim;

[2] a ele veio a palavra do SENHOR, nos dias de Josias, filho de Amom e rei de Judá, no décimo terceiro ano do seu reinado;

[3] e também nos dias de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá, até ao fim do ano undécimo de Zedequias, filho de Josias, rei de Judá, e ainda até ao quinto mês do exílio de Jerusalém.

[4] A mim me veio, pois, a palavra do SENHOR, dizendo:

[5] Antes que eu te formasse no ventre materno, eu te conheci, e, antes que saísses da madre, te consagrei, e te constituí profeta às nações.

[6] Então, lhe disse eu: ah! SENHOR Deus! Eis que não sei falar, porque não passo de uma criança.

[7] Mas o SENHOR me disse: Não digas: Não passo de uma criança; porque a todos a quem eu te enviar irás; e tudo quanto eu te mandar falarás.

[8] Não temas diante deles, porque eu sou contigo para te livrar, diz o SENHOR.

[9] Depois, estendeu o SENHOR a mão, tocou-me na boca e o SENHOR me disse:

UJeremiya

UJeremiya 1

Ukubizwa kukaJeremiya

[1] Amazwi kaJeremiya, indodana kaHilikiya, wabapristi ababe se-Anathoti ezweni lakwaBenjamini,

[2] okwafika kuye izwi likaJehova ezinsukwini zikaJosiya indodana ka-Amoni, inkosi yakwaJuda, ngomnyaka weshumi nantathu wokubusa kwakhe;

[3] lafika futhi ezinsukwini zikaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kuze kube sekupheleni komnyaka weshumi nanye kaSedekiya indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kuze kube sekuthunjweni kweJerusalema ngenyanga yesihlanu.

[4]Kwafika kimi izwi likaJehova, lathi:

[5] Ngingakakubumbi esiswini ngakwazi; ungakaphumi esizalweni ngakungcwelisa, ngakubeka umprofethi ezizweni.

[6] Kepha ngathi: Awu, Nkosi Jehova! Bheka, angikwazi ukukhuluma, ngokuba ngingumntwana.

[7]Kepha uJehova wathi kimi: Ungasho ukuthi ungumntwana, ngokuba uyakuya kubo bonke engikuthuma kubo, nakho konke engikuyala ngakho uyakukukhuluma.

[8] Ungabesabi, ngokuba nginawe ukuba ngikophule, usho uJehova.

[9] UJehova wayeselula isandla sakhe, wawuthinta umlomo wami; uJehova

Eis que ponho na tua boca as minhas palavras.

[10] Olha que hoje te constituo sobre as nações e sobre os reinos, para arrancares e derribares, para destruíres e arruinares e também para edificares e para plantares.

A visão da vara de amendoeira

[11] Veio ainda a palavra do SENHOR, dizendo: Que vês tu, Jeremias? Respondi: vejo uma vara de amendoeira.

[12] Disse-me o SENHOR: Viste bem, porque eu velo sobre a minha palavra para a cumprir.

A visão da panela ao fogo

[13] Outra vez, me veio a palavra do SENHOR, dizendo: Que vês? Eu respondi: vejo uma panela ao fogo, cuja boca se inclina do Norte.

[14] Disse-me o SENHOR: Do Norte se derramará o mal sobre todos os habitantes da terra.

[15] Pois eis que convoco todas as tribos dos reinos do Norte, diz o SENHOR; e virão, e cada reino porá o seu trono à entrada das portas de Jerusalém e contra todos os seus muros em redor e contra todas as cidades de Judá.

[16] Pronunciarei contra os moradores destas as minhas sentenças, por causa de toda a malícia deles; pois me deixaram a mim, e queimaram incenso a deuses estranhos, e adoraram as obras das suas próprias mãos.

[17] Tu, pois, cinge os lombos, dispõe-te e dize-lhes tudo quanto eu te mandar; não

wathi kimi: Bheka, ngibekile amazwi ami emlonyeni wakho.

[10] Bona, ngiyakubeka namuhla phezu kwezizwe naphezu kwemibuso ukusiphula nokudiliza, ukuchitha nokubhubhisa, ukwakha nokutshala.

[11]Izwi likaJehova lafika kimi futhi, lathi: Jeremiya, ubonani na? Ngathi: Ngibona igatsha lomalimondi.

[12]Wayesethi uJehova kimi: Ubone kahle, ngokuba ngiyakulilinda izwi lami ukuba ngilenze.

[13] Lase lifika kimi izwi likaJehova ngokwesibili, lithi: Ubonani na? Ngathi: Ngibona ikhanzi elibilayo. Ubuso balo bungasenyakatho.

[14] Wayesethi kimi uJehova: Okubi kuyakuqhambuka ngasenyakatho, kubehlele bonke abakhileyo bomhlaba.

[15] Ngokuba bheka, ngiyakubiza yonke imindeni yemibuso yasenyakatho, usho uJehova. Iyakufika, yilowo nalowo ubeke isihlalo sawo sobukhosi ezikhaleni zamasango aseJerusalema, nakuzo zonke izingange zalo nxazonke, nakuyo yonke imizi yakwaJuda.

[16]Ngiyakukhipha ukwahlulela kwami phezu kwabo ngenxa yabo bonke ububi babo, ngokuba bangihlubukile, bashisela abanye onkulunkulu impepho, bakhuleka kuyo imisebenzi yezandla zabo.

[17] Ngalokho bopha izinkalo zakho, usuke, ukhulume kubo bonke engikuyala ngabo;

te espantes diante deles, para que eu não te infunda espanto na sua presença.

[18] Eis que hoje te ponho por cidade fortificada, por coluna de ferro e por muros de bronze, contra todo o país, contra os reis de Judá, contra os seus príncipes, contra os seus sacerdotes e contra o seu povo.

[19] Pelejarão contra ti, mas não prevalecerão; porque eu sou contigo, diz o SENHOR, para te livrar.

ungapheli amandla ngabo, funa ngiqede amandla akho ebusweni babo.

[18] Ngokuba bheka, ngikubekile namuhla ube ngumuzi obiyelweyo, nensika yensimbi, nezingange zethusi ngakulo izwe lonke, nangawo amakhosi akwaJuda nezikhulu zalo, nangakubo abapristi balo nabantu bezwe.

[19]Bayakulwa nawe, kepha abayikukwahlula, ngokuba nginawe, usho uJehova, ukuba ngikophule.

Jeremias 2

O amor de Deus e a rebeldia do povo

[1] A mim me veio a palavra do SENHOR, dizendo:

[2] Vai e clama aos ouvidos de Jerusalém: Assim diz o SENHOR: Lembro-me de ti, da tua afeição quando eras jovem, e do teu amor quando noiva, e de como me seguias no deserto, numa terra em que se não semeia.

[3] Então, Israel era consagrado ao SENHOR e era as primícias da sua colheita; todos os que o devoraram se faziam culpados; o mal vinha sobre eles, diz o SENHOR.

[4] Ouvi a palavra do SENHOR, ó casa de Jacó e todas as famílias da casa de Israel.

[5] Assim diz o SENHOR: Que injustiça acharam vossos pais em mim, para de mim se afastarem, indo após a nulidade dos ídolos e se tornando nulos eles mesmos,

[6] e sem perguntarem: Onde está o SENHOR, que nos fez subir da terra do

UJeremiya 2

Ukuhlubuka kuka-Israyeli

[1]Lase lifika izwi likaJehova, lithi: Hamba umemeze ezindlebeni zeJerusalema, uthi: Usho kanje uJehova, uthi:

[2] Ngikukhumbulela umusa wobusha bakho, nothando lwakho, usengumakoti, nokungilandela kwakho ehlane, izwe elingatshalwanga.

[3] U-Israyeli ungcwele kuJehova, ululibo lwezithelo zakhe; bonke abazidlayo bayathola icala, okubi kuyakubehlela, usho uJehova.

[4]Zwanini izwi likaJehova nina ndlu kaJakobe, nani mindeni yonke yendlu ka-Israyeli.

[5] Usho kanje uJehova, uthi: Ububi buni oyihlo ababufumene kimi, baze badeda kude nami, balandela okuyize, baba yize, na?

[6] Abashongo ukuthi: Uphi uJehova owasikhuphula ezweni laseGibithe,

Egito? Que nos guiou através do deserto, por uma terra de ermos e de covas, por uma terra de sequidão e sombra de morte, por uma terra em que ninguém transitava e na qual não morava homem algum?

wasihola ehlane ezweni lezingwadule nelemigodi, ezweni elomileyo nelethunzi lokufa, ezweni elingadatshulwa muntu, nalapho kungahlali muntu khona, na?

[7] Eu vos introduzi numa terra fértil, para que comêsseis o seu fruto e o seu bem; mas, depois de terdes entrado nela, vós a contaminastes e da minha herança fizestes abominação.

[7] Nganingenisa ezweni elivundileyo ukuba nidle izithelo zalo nokuhle kwalo, kepha lapho seningenile, nalingcolisa izwe lami, nenza ifa lami laba yisinengiso.

[8] Os sacerdotes não disseram: Onde está o SENHOR? E os que tratavam da lei não me conheceram, os pastores prevaricaram contra mim, os profetas profetizaram por Baal e andaram atrás de coisas de nenhum proveito.

[8] Abapristi abashongo ukuthi: Uphi uJehova? Abaphethe umthetho babengazi, ababusi baphambuka kimi, abaprofethi baprofetha ngoBali, balandela okungenakusiza.

Perfídia sem exemplo

[9] Portanto, ainda pleitearei convosco, diz o SENHOR, e até com os filhos de vossos filhos pleitearei.

[9] Ngalokho ngiyakuphikisana nani, usho uJehova, ngiphikisane nabantwana babantwana benu.

[10] Passai às terras do mar de Chipre e vede; mandai mensageiros a Quedar, e atentai bem, e vede se jamais sucedeu coisa semelhante.

[10]Dlulani eziqhingini zaseKitimi, nibone, nithume eKedari, niqonde kahle, nibone uma yake yaba khona into enjengalena na?

[11] Houve alguma nação que trocasse os seus deuses, posto que não eram deuses? Todavia, o meu povo trocou a sua Glória por aquilo que é de nenhum proveito.

[11] Isizwe sike senana ngawonkulunkulu abangesibo onkulunkulu na? Kepha abantu bami benanile udumo lwabo ngokungenakusiza.

[12] Espantai-vos disto, ó céus, e horrorizai-vos! Ficai estupefatos, diz o SENHOR.

[12] Mangalani ngalokho, mazulu, nithuthumele, nichitheke impela, usho uJehova.

[13] Porque dois males cometeu o meu povo: a mim me deixaram, o manancial de águas vivas, e cavaram cisternas, cisternas rotas, que não retêm as águas.

[13] Ngokuba abantu bami benzile okubi okubili: bangishiyile, umthombo wamanzi aphilileyo, bazigubhele imithombo, imithombo evuzayo, amanzi angenakuhlala kuyo.

[14] Acaso, é Israel escravo ou servo nascido em casa? Por que, pois, veio a ser presa?

[15] Os leões novos rugiram contra ele, levantaram a voz; da terra dele fizeram uma desolação; as suas cidades estão queimadas, e não há quem nelas habite.

[16] Até os filhos de Mênfis e de Tafnes te pastaram o alto da cabeça.

[17] Acaso, tudo isto não te sucedeu por haveres deixado o SENHOR, teu Deus, quando te guiava pelo caminho?

[18] Agora, pois, que lucro terás indo ao Egito para beberes as águas do Nilo; ou indo à Assíria para beberes as águas do Eufrates?

[19] A tua malícia te castigará, e as tuas infidelidades te repreenderão; sabe, pois, e vê que mau e quão amargo é deixares o SENHOR, teu Deus, e não teres temor de mim, diz o SENHOR, o SENHOR dos Exércitos.

Israel adorou a Baal

[20] Ainda que há muito quebrava eu o teu jugo e rompia as tuas ataduras, dizias tu: Não quero servir-te. Pois, em todo outeiro alto e debaixo de toda árvore frondosa, te deitavas e te prostituías.

[21] Eu mesmo te plantei como vide excelente, da semente mais pura; como, pois, te tornaste para mim uma planta degenerada, como de vide brava?

[22] Pelo que ainda que te laves com salitre e amontoes potassa, continua a mácula da

[14]U-Israyeli uyisigqila yini, uyisigqila esazalelwa ekhaya na? Waba kanjani impango na?

[15] Amabhongo ezingonyama abhongile phezu kwakhe, akhonya, alenza izwe lakhe laba yincithakalo; imizi yakhe ishisiwe, kungekho owakhe kuyo.

[16] Nabantwana baseNofi naseThahipanesi baphuca ukhakhayi lwakho.

[17] Awuzenzeli lokhu wena ngokushiya kwakho uJehova uNkulunkulu wakho, lapho ekuhola endleleni, na?

[18] Manje unani endleleni eya eGibithe ukuba uphuze amanzi aseSihori, na? Unani endleleni eya e-Asiriya ukuba uwaphuze amanzi omfula na?

[19] Ububi bakho buyakukulaya, nokuhlehla kwakho kuyakukusola; yazi, ubone ukuthi kuyinto embi nebabayo yokuthi umhlubukile uJehova uNkulunkulu wakho nokuthi ukungesaba akukho kuwe, isho iNkosi uJehova Sebawoti.

[20] Ngokuba walaphula ijoka lakho endulo, wazigqabula izibopho zakho, wathi: Angiyikukhonza. Ngokuba kuwo onke amagquma aphakemeyo naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza walala njengesifebe.

[21] Mina ngakutshala ungumvini omuhle, imbewu elungileyo yodwa; pho, uphenduke kanjani waba yigatsha elonakeleyo kimi, elomvini wabezizwe, na?

[22]Ngokuba noma ugeza ngesoda, uzithathele insipho eningi, ububi bakho

tua iniqüidade perante mim, diz o SENHOR Deus.

[23] Como podes dizer: Não estou maculada, não andei após os baalins? Vê o teu rasto no vale, reconhece o que fizeste, dromedária nova de ligeiros pés, que andas ziguezagueando pelo caminho;

[24] jumenta selvagem, acostumada ao deserto e que, no ardor do cio, sorve o vento. Quem a impediria de satisfazer ao seu desejo? Os que a procuram não têm de fatigar-se; no mês dela a acharão.

[25] Guarda-te de que os teus pés andem desnudos e a tua garganta tenha sede. Mas tu dizes: Não, é inútil; porque amo os estranhos e após eles irei.

[26] Como se envergonha o ladrão quando o apanham, assim se envergonham os da casa de Israel; eles, os seus reis, os seus príncipes, os seus sacerdotes e os seus profetas,

[27] que dizem a um pedaço de madeira: Tu és meu pai; e à pedra: Tu me geraste. Pois me viraram as costas e não o rosto; mas, em vindo a angústia, dizem: Levanta-te e livra-nos.

[28] Onde, pois, estão os teus deuses, que para ti mesmo fizeste? Eles que se levantem se te podem livrar no tempo da tua angústia; porque os teus deuses, ó Judá, são tantos como as tuas cidades.

[29] Por que contendeis comigo? Todos vós transgredistes contra mim, diz o SENHOR.

[30] Em vão castiguei os vossos filhos; eles não aceitaram a minha disciplina; a vossa

bulotshiwe phambi kwami, isho iNkosi uJehova.

[23] Ungasho kanjani ukuthi: Angingcolile, angilandelanga oBali, na? Bheka indlela yakho esigodini, wazi ukuthi wenzeni: uyikamela lensikazi elinejubane, elizulazula ezindleleni zalo,

[24]nembongolo yasendle ejwayele ihlane, esezela umoya ngokukhanuka kwayo; ngubani ongavimbela inkanuko yayo na? Bonke abayifunayo abayikukhathala, bayakuyifumana ngenyanga yayo.

[25] Nqanda unyawo lwakho lungabi olungenasicathulo, nomphimbo wakho ukuba ungomi; kepha wathi: Kuyize; cha, ngithandile abafokazi, ngiyakubalandela.

[26] Njengesela linamahloni, lapho selifunyenwe, kanjalo indlu yakwa-Israyeli iyakuba namahloni, bona kanye namakhosi abo, nezikhulu zabo, nabapristi babo, nabaprofethi babo

[27] abathi emthini: Ungubaba, nasetsheni: Wena wangizala. Ngokuba bangifulathele, abangibheki; kepha ngesikhathi sokuhlupheka kwabo bayakusho ukuthi: Vuka, usisindise.

[28] Baphi onkulunkulu bakho ozenzele bona na? Mabavuke, uma bengakusindisa ngesikhathi sokuhlupheka kwakho, ngokuba njengomumo wemizi yakho, banjalo onkulunkulu bakho, Juda.

[29] Niphikisanelani nami na? Niphambukile kimi nonke, usho uJehova.

[30] Ngibashayele ize abantwana benu, abakwamukelanga ukulaywa; inkemba

espada devorou os vossos profetas como leão destruidor.

31 Oh! Que geração! Considerai vós a palavra do SENHOR. Porventura, tenho eu sido para Israel um deserto? Ou uma terra da mais espessa escuridão? Por que, pois, diz o meu povo: Somos livres! Jamais tornaremos a ti?

32 Acaso, se esquece a virgem dos seus adornos ou a noiva do seu cinto? Todavia, o meu povo se esqueceu de mim por dias sem conta.

33 Como dispões bem os teus caminhos, para buscares o amor! Pois até às mulheres perdidas os ensinaste.

34 Nas orlas dos teus vestidos se achou também o sangue de pobres e inocentes, não surpreendidos no ato de roubar. Apesar de todas estas coisas,

35 ainda dizes: Estou inocente; certamente, a sua ira se desviou de mim. Eis que entrarei em juízo contigo, porquanto dizes: Não pequei.

36 Que mudar leviano é esse dos teus caminhos? Também do Egito serás envergonhada, como foste envergonhada da Assíria.

37 Também daquele sairás de mãos na cabeça; porque o SENHOR rejeitou aqueles em quem confiaste, e não terás sorte por meio deles.

Jeremias 3

A clemência de Deus, apesar da infidelidade do povo

yenu ibadlile abaprofethi benu njengengonyama echithayo.

31 Wena sizukulwane, bheka izwi likaJehova. Bengiyihlane ku-Israyeli, noma izwe lesigayegaye, na? Basholoni abantu bami ukuthi: Sesidlubulundile, asisayikubuyela kuwe, na?

32 Intombi ingakhohlwa yini izivunulo zayo, nomakoti ixhama lakhe, na? Nokho abantu bami bangikhohliwe izinsuku ezingenakubalwa.

33 Ulungisa kahle kanjani indlela yakho ukufuna uthando! Ngalokho nabesifazane ababi ubafundisile izindlela zakho.

34 Nasemiphethweni yakho kufunyenwe igazi labampofu abangenacala, kungabi ngukuthi ubafumene befohla. Kepha kukho konke lokhu

35 uthi: Anginacala. Nempela intukuthelo yakhe ibuyile kimi. Bheka, ngiyakwahlulelana nawe, ngokuba uthi: Angonanga.

36 Usheshelani kangaka ukuyiguqula indlela yakho na? Uyakujabha nangeGibithe, njengalokho wajabhiswa yi-Asiriya.

37 Uyakuphuma nalapho, izandla zakho zisekhanda, ngokuba uJehova uyabalahla obethembayo, awuyikuphumelela kubo.

UJeremiya 3

[1] Se um homem repudiar sua mulher, e ela o deixar e tomar outro marido, porventura, aquele tornará a ela? Não se poluiria com isso de todo aquela terra? Ora, tu te prostituíste com muitos amantes; mas, ainda assim, torna para mim, diz o SENHOR.

[2] Levanta os olhos aos altos desnudos e vê; onde não te prostituíste? Nos caminhos te assentavas à espera deles como o arábio no deserto; assim, poluíste a terra com as tuas devassidões e com a tua malícia.

[3] Pelo que foram retiradas as chuvas, e não houve chuva serôdia; mas tu tens a fronte de prostituta e não queres ter vergonha.

[4] Não é fato que agora mesmo tu me invocas, dizendo: Pai meu, tu és o amigo da minha mocidade?

[5] Conservarás para sempre a tua ira? Ou a reterás até ao fim? Sim, assim me falas, mas cometes maldade a mais não poder.

[6] Disse mais o SENHOR nos dias do rei Josias: Viste o que fez a pérfida Israel? Foi a todo monte alto e debaixo de toda árvore frondosa e se deu ali a toda prostituição.

[7] E, depois de ela ter feito tudo isso, eu pensei que ela voltaria para mim, mas não voltou. A sua pérfida irmã Judá viu isto.

[8] Quando, por causa de tudo isto, por ter cometido adultério, eu despedi a pérfida

[1] Kuthiwa uma indoda ilahla umkayo, abesemuka abe ngowenye indoda, isayakubuyela kuye na? Lelo zwe belingayikungcoliswa kakhulu na? Kepha wena ofebile nezithandwa eziningi ubuyela kimi, usho uJehova.

[2] Phakamisela amehlo akho emadulini angenalutho, ubone; kuphi lapho ongalalwanga khona na? Ngasezindleleni ubahlalele njengomArabiya ehlane, walingcolisa izwe ngobufebe nangobubi bakho.

[3] Ngalokho izihlambi zinqandiwe, nemvula yamuva ayibangakho. Nokho wawunebunzi lesifebe, wala ukuba namahloni.

[4]Awusand ukukhala kimi ukuthi: Baba, wena ungumngane wobusha bami, na?

[5] Uyakuhlala enentukuthelo njalonjalo, ayigcine kuze kube nini na? Bheka, ukhuluma kanjalo; uyenza okubi, uyaphumelela.

[6] UJehova wathi kimi emihleni kaJosiya inkosi: Ubonile okwenziwe ngu-Israyeli ohlehlayo na? Ukhuphukele kuzo zonke izintaba eziphakemeyo naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza, wafeba khona.

[7]Ngathi uzakubuyela kimi esekwenzile konke lokhu, kodwa akabuyanga; udadewabo okhohlisayo, uJuda, wakubona.

[8] Ngabona ukuthi noma ngangimlahlile u-Israyeli ohlehlayo ngalesi sizathu sokuthi

Israel e lhe dei carta de divórcio, vi que a falsa Judá, sua irmã, não temeu; mas ela mesma se foi e se deu à prostituição.

uphingile, ngamnika incwadi yesahlukaniso, udadewabo okhohlisayo, uJuda, akesabanga nokho, kepha waya wafeba naye,

9 Sucedeu que, pelo ruidoso da sua prostituição, poluiu ela a terra; porque adulterou, adorando pedras e árvores.

9nangokuzwakala kokufeba kwakhe langcoliswa izwe, waphinga nemithi namatshe.

10 Apesar de tudo isso, não voltou de todo o coração para mim a sua falsa irmã Judá, mas fingidamente, diz o SENHOR.

10Kepha kukho konke lokhu udadewabo okhohlisayo, uJuda, akabuyelanga kimi ngenhliziyo yonke, kuphela ngokuzenzisa nje, usho uJehova.

11 Disse-me o SENHOR: Já a pérfida Israel se mostrou mais justa do que a falsa Judá.

11 Wayesethi uJehova kimi: U-Israyeli ohlehlayo ubonakele elungile kunoJuda okhohlisayo.

12 Vai, pois, e apregoa estas palavras para o lado do Norte e dize: Volta, ó pérfida Israel, diz o SENHOR, e não farei cair a minha ira sobre ti, porque eu sou compassivo, diz o SENHOR, e não manterei para sempre a minha ira.

12 Hamba umemezele lawa mazwi ngasenyakatho, uthi: Buya wena Israyeli ohlehlayo, usho uJehova; angiyikuninyakamela, ngokuba nginomusa, usho uJehova; angiyakugcina intukuthelo kuze kube phakade.

13 Tão-somente reconhece a tua iniqüidade, reconhece que transgrediste contra o SENHOR, teu Deus, e te prostituíste com os estranhos debaixo de toda árvore frondosa e não deste ouvidos à minha voz, diz o SENHOR.

13 Yazi kuphela ububi bakho ukuthi uphambukile kuJehova uNkulunkulu wakho, wazihlakaza izindlela zakho kubo abezizwe phansi kwayo yonke imithi eluhlaza; anililalelanga izwi lami, usho uJehova.

O povo exortado a arrepender-se

14 Convertei-vos, ó filhos rebeldes, diz o SENHOR; porque eu sou o vosso esposo e vos tomarei, um de cada cidade e dois de cada família, e vos levarei a Sião.

14 Buyani, bantwana abahlehlayo, usho uJehova, ngokuba ngingumyeni wenu, nginithabathe, abe munye emzini, babe babili emndenini, nginiyise eSiyoni,

15 Dar-vos-ei pastores segundo o meu coração, que vos apascentem com conhecimento e com inteligência.

15 ngininike abelusi ngokwenhliziyo yami, abayakunalusa ngokwazi nangokuhlakanipha.

16 Sucederá que, quando vos multiplicardes e vos tornardes fecundos na

16 Kuyakuthi lapho nanda, nichume ezweni, ngalezo zinsuku, usho uJehova,

terra, então, diz o SENHOR, nunca mais se exclamará: A arca da Aliança do SENHOR! Ela não lhes virá à mente, não se lembrarão dela nem dela sentirão falta; e não se fará outra.

[17] Naquele tempo, chamarão a Jerusalém de Trono do SENHOR; nela se reunirão todas as nações em nome do SENHOR e já não andarão segundo a dureza do seu coração maligno.

[18] Naqueles dias, andará a casa de Judá com a casa de Israel, e virão juntas da terra do Norte para a terra que dei em herança a vossos pais.

[19] Mas eu a mim me perguntava: como te porei entre os filhos e te darei a terra desejável, a mais formosa herança das nações? E respondi: Pai me chamarás e de mim não te desviarás.

[20] Deveras, como a mulher se aparta perfidamente do seu marido, assim com perfídia te houveste comigo, ó casa de Israel, diz o SENHOR.

[21] Nos lugares altos, se ouviu uma voz, pranto e súplicas dos filhos de Israel; porquanto perverteram o seu caminho e se esqueceram do SENHOR, seu Deus.

[22] Voltai, ó filhos rebeldes, eu curarei as vossas rebeliões. Eis-nos aqui, vimos ter contigo; porque tu és o SENHOR, nosso Deus.

[23] Na verdade, os outeiros não passam de ilusão, nem as orgias das montanhas; com

bangasayikusho ukuthi: Umphongolo wesivumelwano sikaJehova; awuyikungena enhliziyweni, abayikuwukhumbula; abayikuwuswela, akusayikwenziwa omusha.

[17] Ngalolo suku bayakulibiza iJerusalema ngokuthi isihlalo sobukhosi sikaJehova; izizwe zonke ziyakubuthana kulo, kulo igama likaJehova eJerusalema; azisayikuhamba ngenkani yezinhliziyo zazo ezimbi.

[18]Ngalezo zinsuku indlu yakwaJuda iyakuya endlini yakwa-Israyeli, ziphume kanyekanye ezweni lasenyakatho, ziye ezweni engalinika oyihlo libe yifa labo.

[19] Mina bengithi: Ngiyakukubeka kanjani phakathi kwabantwana, ngikuphe izwe elinxanelekayo, ifa elihle kakhulu ezizweni! Ngathi: Niyakungibiza ngokuthi Baba , ningabuyi ekungilandeleni.

[20]Impela njengomfazi emkhohlisa umyeni, kanjalo ningikhohlisile nina ndlu ka-Israyeli, usho uJehova.

[21] Izwi liyezwakala emadulini angenalutho, ukukhala nokukhuleka kwabantwana bakwa-Israyeli, ngokuba bayihlanekezele indlela yabo, bakhohlwa uJehova uNkulunkulu wabo.

[22] Buyani nina bantwana abahlehlayo, ngikuphulukise ukuhlehla kwenu. Bheka, sesifikile kuwe, ngokuba unguJehova uNkulunkulu wethu.

[23] Impela amagquma ayize kanye nomsindo wasezintabeni. Ngokwempela

efeito, no SENHOR, nosso Deus, está a salvação de Israel.

[24] Mas a coisa vergonhosa devorou o labor de nossos pais, desde a nossa mocidade: as suas ovelhas e o seu gado, os seus filhos e as suas filhas.

[25] Deitemo-nos em nossa vergonha, e cubra-nos a nossa ignomínia, porque temos pecado contra o SENHOR, nosso Deus, nós e nossos pais, desde a nossa mocidade até ao dia de hoje; e não demos ouvidos à voz do SENHOR, nosso Deus.

ukusindiswa kuka-Israyeli kukuJehova uNkulunkulu wethu.

[24]UBosheti uqedile umshikashika wawobaba kwasebusheni bethu, izimvu zabo, nezinkomo zabo, namadodana abo, namadodakazi abo.

[25] Masilale phansi namahloni, ihlazo lethu lisisibekele, ngokuba sonile kuJehova uNkulunkulu wethu, thina nawobaba, kusukela ebusheni bethu kuze kube namuhla, asililalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wethu.

Jeremias 4

[1] Se voltares, ó Israel, diz o SENHOR, volta para mim; se removeres as tuas abominações de diante de mim, não mais andarás vagueando;

[2] se jurares pela vida do SENHOR, em verdade, em juízo e em justiça, então, nele serão benditas as nações e nele se glorificarão.

[3] Porque assim diz o SENHOR aos homens de Judá e Jerusalém: Lavrai para vós outros campo novo e não semeeis entre espinhos.

[4] Circuncidai-vos para o SENHOR, circuncidai o vosso coração, ó homens de Judá e moradores de Jerusalém, para que o meu furor não saia como fogo e arda, e não haja quem o apague, por causa da malícia das vossas obras.

Vem do Norte o mal

[5] Anunciai em Judá, fazei ouvir em Jerusalém e dizei: Tocai a trombeta na

UJeremiya 4

[1] Uma uphenduka, Israyeli, usho uJehova, uyakuphendukela kimi; uma ususa ebusweni bami izinengiso zakho, awuyikuntengantenga.

[2] Uyakufunga ngeqiniso, nangokwahlulela, nangokulunga, ngokuthi: Kuphila kukaJehova, izizwe ziyakuzibusisa kuye, zizibonge kuye.

[3] Ngokuba usho kanje uJehova kubantu bakwaJuda nabaseJerusalema, uthi: Qathani umqatho wenu, ningatshali phakathi kwameva.

[4] Zisokeleni kuJehova, nisuse amajwabu ezinhliziyo zenu nina bantu bakwaJuda nabakhileyo eJerusalema, funa ukufutheka kwami kuphume njengomlilo, kuvuthe, kungabikho ongakucima, ngenxa yobubi bezenzo zenu.

[5] Khulumani kwaJuda, nizwakalise eJerusalema, nithi: Bethani amacilongo

terra! Gritai em alta voz, dizendo: Ajuntai-vos, e entremos nas cidades fortificadas!

[6] Arvorai a bandeira rumo a Sião, fugi e não vos detenhais; porque eu faço vir do Norte um mal, uma grande destruição.

[7] Já um leão subiu da sua ramada, um destruidor das nações; ele já partiu, já deixou o seu lugar para fazer da tua terra uma desolação, a fim de que as tuas cidades sejam destruídas, e ninguém as habite.

[8] Cingi-vos, pois, de cilício, lamentai e uivai; porque a ira ardente do SENHOR não se desviou de nós.

[9] Sucederá naquele dia, diz o SENHOR, que o rei e os príncipes perderão a coragem, os sacerdotes ficarão pasmados, e os profetas, estupefatos.

[10] Então, disse eu: Ah! SENHOR Deus! Verdadeiramente, enganaste a este povo e a Jerusalém, dizendo: Tereis paz; e eis que a espada lhe penetra até à alma.

[11] Naquele tempo, se dirá a este povo e a Jerusalém: Vento abrasador dos altos desnudos do ermo assopra diretamente à filha do meu povo, não para padejar nem para alimpar.

[12] Vento mais forte do que este virá ainda de minha parte, e, então, também eu pronunciarei a sentença contra eles.

ezweni, nimemeze nithi: Buthanani, singene emizini ebiyelweyo.

[6] Misani ibhanela elibheka ngaseSiyoni, nibaleke ningemi, ngokuba ngiyakuletha okubi kuvele ngasenyakatho nokubhujiswa okukhulu.

[7] Ingonyama ikhuphukile esihlahleni sayo, umchithi wezizwe uyeza; uphumile endaweni yakhe ukuba ulenze izwe lakho libe yincithakalo, ichithwe imizi yakho, kungabikho ohlala kuyo.

[8] Ngalokho bhincani izindwangu zamasaka, nikhale, nihewule, ngokuba ulaka oluvuthayo lukaJehova alubuyanga kithi.

[9] Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova, inhliziyo yenkosi iphele kanye nezinhliziyo zezikhulu; abapristi bayakumangala, abaprofethi bethuke.

[10] Ngase ngithi: Awu, Nkosi Jehova, ubakhohlisile nokubakhohlisa laba bantu neJerusalema ngokuthi: Niyakuba nokuthula; nokho inkemba ifinyelele emphefumulweni.

[11]Ngaleso sikhathi kuyakuthiwa kulaba bantu nakulo iJerusalema: Ishisandlu elivela emadulini angenalutho liya endodakazini yabantu bami, lingayikubahlakaza, lingayikubahlunga.

[12]Umoya omkhulu kunokuba kwenziwe lokhu uyakuphuma kimi. Manje sengiyakukhuluma nami ukwahlulela kubo.

[13] Eis aí que sobe o destruidor como nuvens; os seus carros, como tempestade; os seus cavalos são mais ligeiros do que as águias. Ai de nós! Estamos arruinados!

[14] Lava o teu coração da malícia, ó Jerusalém, para que sejas salva! Até quando hospedarás contigo os teus maus pensamentos?

[15] Uma voz se faz ouvir desde Dã e anuncia a calamidade desde a região montanhosa de Efraim!

[16] Proclamai isto às nações, fazei-o ouvir contra Jerusalém: De uma terra longínqua vêm sitiadores e levantam a voz contra as cidades de Judá.

[17] Como os guardas de um campo, eles cercam Jerusalém, porque ela se rebelou contra mim, diz o SENHOR.

[18] O teu proceder e as tuas obras fizeram vir sobre ti estas coisas; a tua calamidade, que é amarga, atinge até o próprio coração.

[19] Ah! Meu coração! Meu coração! Eu me contorço em dores. Oh! As paredes do meu coração! Meu coração se agita! Não posso calar-me, porque ouves, ó minha alma, o som da trombeta, o alarido de guerra.

[20] Golpe sobre golpe se anuncia, pois a terra toda já está destruída; de súbito, foram destruídas as minhas tendas; num momento, as suas lonas.

[13] Bhekani, uyakhuphuka njengamafu, izinqola zakhe zinjengesivunguvungu, amahhashi akhe anejubane kunezinkozi. Maye kithina, ngokuba sichithiwe!

[14] Jerusalema, hlanza inhliziyo yakho, kuphume ububi, ukuze usindiswe. Koze kube nini imicabango yakho emibi ihlala phakathi kwakho na?

[15] Ngokuba izwi liyamemezela liphuma kwaDani; lizwakalisa okubi kuvela ezintabeni zakwa-Efrayimi.

[16] Khumbuzani izizwe; bhekani, nizwakalise eJerusalema ukuthi kufika abavimbezeli abaphuma ezweni elikude; baliphakamisa izwi labo ngakuyo imizi yakwaJuda.

[17] Njengabalinda insimu baphezu kwalo nxazonke, ngokuba lingihlubukile, usho uJehova.

[18] Ukuhamba kwakho nezenzo zakho kukwenzele lokhu; lokhu kuyingozi yakho ngokuba imunyu; ifinyelele enhliziyweni yakho.

[19] Zibilini zami, zibilini zami, nginobuhlungu enhliziyweni yami; inhliziyo yami ikhala phakathi kwami, anginakuthula, ngokuba ulizwile, mphefumulo wami, izwi lecilongo, ukuhlatshwa komkhosi wempi.

[20]Kuyamenyezelwa ukubhujiswa phezu kokubhujiswa, ngokuba izwe lonke liyachithwa. Amatende ami ayachithwa masinyane, nezilenge zami ngokuphazima kweso.

[21] Até quando terei de ver a bandeira, terei de ouvir a voz da trombeta?

[22] Deveras, o meu povo está louco, já não me conhece; são filhos néscios e não inteligentes; são sábios para o mal e não sabem fazer o bem.

[23] Olhei para a terra, e ei-la sem forma e vazia; para os céus, e não tinham luz.

[24] Olhei para os montes, e eis que tremiam, e todos os outeiros estremeciam.

[25] Olhei, e eis que não havia homem nenhum, e todas as aves dos céus haviam fugido.

[26] Olhei ainda, e eis que a terra fértil era um deserto, e todas as suas cidades estavam derribadas diante do SENHOR, diante do furor da sua ira.

[27] Pois assim diz o SENHOR: Toda a terra será assolada; porém não a consumirei de todo.

[28] Por isso, a terra pranteará, e os céus acima se enegrecerão; porque falei, resolvi e não me arrependo, nem me retrato.

[29] Ao clamor dos cavaleiros e dos flecheiros, fogem todas as cidades, entram pelas selvas e sobem pelos penhascos; todas as cidades ficam desamparadas, e já ninguém habita nelas.

[30] Agora, pois, ó assolada, por que fazes assim, e te vestes de escarlata, e te adornas com enfeites de ouro, e alargas os olhos

[21]Koze kube nini ngibona ibhandela, ngizwe izwi lecilongo, na?

[22] Yebo, abantu bami bayiziwula, abangazi; bangabantwana abayiziphukuphuku, abanakuqonda; bahlakaniphele ukwenza okubi, kepha ukwenza okuhle kabakwazi.

[23] Ngabuka umhlaba; bheka, wawuyize, wawungenalutho, nezulu lalingenakukhanya.

[24]Ngabuka izintaba; bheka, zazamazama; onke amagquma anyakaza.

[25] Ngabuka; bheka, kwakungekho muntu; izinyoni zonke zezulu zazibalekile.

[26]Ngabuka; bheka, izwe elivundileyo laliyihlane, nemizi yalo yonke yayidiliziwe ebusweni bukaJehova naphambi kolaka lwakhe oluvuthayo.

[27] Ngokuba uJehova usho kanje, uthi: Izwe lonke liyakuba yincithakalo, kepha angiyikuliqeda ngokupheleleyo.

[28]Umhlaba uyakhala ngalokhu, izulu phezulu limnyama, ngokuba ngikukhulumile, ngikuhlosile, ngingazisolanga; futhi angiyikubuya kukho.

[29]Umuzi wonke uyabaleka ngenxa yomsindo wabamahhashi nowabemicibisholo; bayangena ezihlahleni, bakhuphukele emadwaleni; imizi yonke ishiyiwe, akakho ohlala kuyo.

[30]Lapho usuchithiwe, uyakwenzani na? Noma wembatha okubomvu, noma uzivunulisa ngezivunulo zegolide, noma

com pinturas, se debalde te fazes bela? Os amantes te desprezam e procuram tirar-te a vida.

[31] Pois ouço uma voz, como de parturiente, uma angústia como da primípara em suas dores; a voz da filha de Sião, ofegante, que estende as mãos, dizendo: Ai de mim agora! Porque a minha alma desfalece por causa dos assassinos.

ugqaba amehlo akho ngomuthi, uzenza muhle ngeze; izithandwa zakho ziyakudelela, zifuna ukukubulala.

[31]Ngizwile izwi njengokungathi elonemihelo, usizi lozibulayo, izwi lendodakazi yaseSiyoni eheheza, ezelula izandla zayo, ithi: Maye kimina! Ngokuba umphefumulo wami uphele amandla ngababulali.

Jeremias 5

Os pecados de Jerusalém e de Judá

[1] Dai voltas às ruas de Jerusalém; vede agora, procurai saber, buscai pelas suas praças a ver se achais alguém, se há um homem que pratique a justiça ou busque a verdade; e eu lhe perdoarei a ela.

[2] Embora digam: Tão certo como vive o SENHOR, certamente, juram falso.

[3] Ah! SENHOR, não é para a fidelidade que atentam os teus olhos? Tu os feriste, e não lhes doeu; consumiste-os, e não quiseram receber a disciplina; endureceram o rosto mais do que uma rocha; não quiseram voltar.

[4] Mas eu pensei: são apenas os pobres que são insensatos, pois não sabem o caminho do SENHOR, o direito do seu Deus.

[5] Irei aos grandes e falarei com eles; porque eles sabem o caminho do SENHOR, o direito do seu Deus; mas estes, de comum acordo, quebraram o jugo e romperam as algemas.

UJeremiya 5

Izono zeJerusalema

[1] Yehlani nenyuke ezitaladini zaseJerusalema, nibone nazi, nicinge ezigcawini, uma ningafumana umuntu, uma kukhona owenza ukwahlulela, ofuna iqiniso; bese ngilithethelela.

[2]Noma bethi: Kuphila kukaJehova, nokho bafunga amanga.

[3] Jehova, amehlo akho awaseqinisweni na? Ubashayile, kepha abadabukanga; ubaqedile, kepha balile ukwamukela ukulaywa; benza lukhuni ubuso babo kunetshe, bala ukuphenduka.

[4]Ngase ngithi mina: Laba bayizimpofana nje, bayiziwula, ngokuba abayazi indlela kaJehova, ukwahlulela kukaNkulunkulu wabo.

[5] Sengiyakuya kwabakhulu, ngikhulume nabo, ngokuba bona bayayazi indlela kaJehova nokwahlulela kukaNkulunkulu wabo; Kepha bona babelaphulile ijoka kanyekanye, bazigqabulile izibopho.

[6] Por isso, um leão do bosque os matará, um lobo dos desertos os assolará, um leopardo estará à espreita das suas cidades; qualquer que sair delas será despedaçado; porque as suas transgressões se multiplicaram, multiplicaram-se as suas perfídias.

[7] Como, vendo isto, te perdoaria? Teus filhos me deixam a mim e juram pelos que não são deuses; depois de eu os ter fartado, adulteraram e em casa de meretrizes se ajuntaram em bandos;

[8] como garanhões bem fartos, correm de um lado para outro, cada um rinchando à mulher do seu companheiro.

[9] Deixaria eu de castigar estas coisas, diz o SENHOR, ou não me vingaria de nação como esta?

[10] Subi vós aos terraços da vinha, destruí-a, porém não de todo; tirai-lhe as gavinhas, porque não são do SENHOR.

[11] Porque perfidamente se houveram contra mim, a casa de Israel e a casa de Judá, diz o SENHOR.

[12] Negaram ao SENHOR e disseram: Não é ele; e: Nenhum mal nos sobrevirá; não veremos espada nem fome.

[13] Até os profetas não passam de vento, porque a palavra não está com eles, as suas ameaças se cumprirão contra eles mesmos.

[14] Portanto, assim diz o SENHOR, o Deus dos Exércitos: Visto que proferiram eles

[6] Ngalokho ingonyama yasehlathini iyakubashaya, babhujiswe yimpisi yasehlane, ingwe iyiqamekele imizi yabo, badatshulwe bonke abaphuma kuyo, ngokuba iziphambeko zabo ziningi, nokuhlehla kwabo kwandile.

[7] Ngingakuthethelela kanjani na? Abantwana bakho bangishiyile, bafunga okungesibo onkulunkulu. Ngabafungisa, kepha baphinga, babuthana endlini yezifebe.

[8] Banjengamahhashi akhulupheleyo andindayo; yilowo nalowo uyiyizela umfazi womakhelwane wakhe.

[9] Angiyikubahambela ngalokho na? usho uJehova. Umphefumulo wami awuyikuphindisa esizweni esinjengalesi na?

[10] Khuphukelani ezingangeni zalo, nilichithe, ningaliqedi ngokupheleleyo nokho; susani amagatsha alo, ngokuba awasiwo akaNkulunkulu.

[11]Ngokuba indlu ka-Israyeli nendlu kaJuda zingikhohlisile nokungikhohlisa, usho uJehova.

[12] Zimphikile uJehova, zathi: Hhayi yena! Okubi akuyikusehlela, asiyikubona inkemba nendlala.

[13]Abaprofethi bayakuba ngumoya, akakho okhulumayo kubo; kuyakwenziwa kanjalo kubo.

[14]Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uthi: Ngokuba

tais palavras, eis que converterei em fogo as minhas palavras na tua boca e a este povo, em lenha, e eles serão consumidos.

[15] Eis que trago sobre ti uma nação de longe, ó casa de Israel, diz o SENHOR; nação robusta, nação antiga, nação cuja língua ignoras; e não entendes o que ela fala.

[16] A sua aljava é como uma sepultura aberta; todos os seus homens são valentes.

[17] Comerão a tua sega e o teu pão, os teus filhos e as tuas filhas; comerão as tuas ovelhas e o teu gado; comerão a tua vide e a tua figueira; e com a espada derribarão as tuas cidades fortificadas, em que confias.

[18] Contudo, ainda naqueles dias, diz o SENHOR, não vos destruirei de todo.

[19] Quando disserem: Por que nos fez o SENHOR, nosso Deus, todas estas coisas? Então, lhes responderás: Como vós me deixastes e servistes a deuses estranhos na vossa terra, assim servireis a estrangeiros, em terra que não é vossa.

[20] Anunciai isto na casa de Jacó e fazei-o ouvir em Judá, dizendo:

[21] Ouvi agora isto, ó povo insensato e sem entendimento, que tendes olhos e não vedes, tendes ouvidos e não ouvis.

[22] Não temereis a mim? – diz o SENHOR; não tremereis diante de mim, que pus a areia para limite do mar, limite perpétuo,

nikhuluma leli zwi, bhekani, ngiyakwenza amazwi ami abe ngumlilo emlonyeni wakho, nalaba bantu babe yizinkuni, ubadle.

[15] Bhekani, ngiyakwehlisela phezu kwenu isizwe esivela kude nina ndlu ka-Israyeli, usho uJehova; yisizwe esinamandla, yisizwe esidala, yisizwe ongazi ulimi lwaso, nongezwa lokhu abakukhulumayo.

[16]Isambo sabo sinjengethuna elivulekileyo, bangamaqhawe bonke.

[17] Bayakudla okuvuniweyo kwakho nesinkwa sakho, badle amadodana akho namadodakazi akho, badle izimvu zakho nezinkomo zakho, badle imivini yakho nemikhiwane yakho, bachithe ngenkemba imizi yakho ebiyelweyo othemba kuyo.

[18] Kepha nangalezo zinsuku, usho uJehova, angiyikuniqeda ngokupheleleyo.

[19] Kuyakuthi lapho nisho nithi: UJehova uNkulunkulu wenu wenzeleni kithi konke lokhu na? usho kubo ukuthi: Njengalokho ningishiyile, nakhonza onkulunkulu babezizwe ezweni lakini, kanjalo niyakukhonza abezizwe ezweni elingesilo elenu.

[20] Memezani lokhu endlini kaJakobe, nikuzwakalise kwaJuda ngokuthi:

[21] Yizwani lokhu nina bantu eniyiziwula neningenakuqonda, eninamehlo, ningaboni kodwa, eninezindlebe, ningezwa kodwa.

[22] Aningesabi yini, usho uJehova, anithuthumeli phambi kwami, mina engibeke isihlabathi sibe ngumkhawulo

que ele não traspassará? Ainda que se levantem as suas ondas, não prevalecerão; ainda que bramem, não o traspassarão.

wolwandle, umncele ophakade olungenakudlula kuwo, na? Noma lugubha, alunakuwahlula; noma luduma, alunakudlula kuwo.

23 Mas este povo é de coração rebelde e contumaz; rebelaram-se e foram-se.

23Kepha laba bantu banenhliziyo eyambukileyo nehlubukileyo; bambuka, bahamba.

24 Não dizem a eles mesmos: Temamos agora ao SENHOR, nosso Deus, que nos dá a seu tempo a chuva, a primeira e a última, que nos conserva as semanas determinadas da sega.

24 Futhi abasho ezinhliziyweni zabo ukuthi: Ake sesabe uJehova uNkulunkulu wethu onika imvula eyokuqala neyamuva ngesikhathi sayo, asigcinele amasonto anqunyiweyo akuvuna.

25 As vossas iniqüidades desviam estas coisas, e os vossos pecados afastam de vós o bem.

25Ububi benu buchezukisile lokhu, nezono zenu zinenqabele okuhle.

26 Porque entre o meu povo se acham perversos; cada um anda espiando, como espreitam os passarinheiros; como eles, dispõem armadilhas e prendem os homens.

26 Ngokuba phakathi kwabantu bami kufunyanwa ababi, baqamekela njengabacuphayo nabalinda izinyoni, babeke ugibe, babambe abantu.

27 Como a gaiola cheia de pássaros, são as suas casas cheias de fraude; por isso, se tornaram poderosos e enriqueceram.

27Njengendlwana yezinyoni igcwele zona, kanjalo izindlu zabo zigcwele inkohliso; ngalokho bakhulile, bacebile.

28 Engordam, tornam-se nédios e ultrapassam até os feitos dos malignos; não defendem a causa, a causa dos órfãos, para que prospere; nem julgam o direito dos necessitados.

28 Bakhuluphele, bayacwebezela; yebo, bayadlula ezintweni zobubi; abameli ukulunga, abameli izintandane ukuba zihlahlamele, nemfanelo yabampofu abayahluleli.

29 Não castigaria eu estas coisas? – diz o SENHOR; não me vingaria eu de nação como esta?

29Angiyikubahambela ngalokho na? usho uJehova. Umphefumulo wami awuyikuphindisa esizweni esinjengalesi na?

30 Coisa espantosa e horrenda se anda fazendo na terra:

30 Okumangalisayo nokwesabekayo kuyenziwa ezweni.

[31] os profetas profetizam falsamente, e os sacerdotes dominam de mãos dadas com eles; e é o que deseja o meu povo. Porém que fareis quando estas coisas chegarem ao seu fim?

Jeremias 6

Jerusalém será sitiada

[1] Fugi, filhos de Benjamim, do meio de Jerusalém; tocai a trombeta em Tecoa e levantai o facho sobre Bete-Haquerém, porque do lado do Norte surge um grande mal, uma grande calamidade.

[2] A formosa e delicada, a filha de Sião, eu deixarei em ruínas.
[3] Contra ela virão pastores com os seus rebanhos; levantarão suas tendas em redor, e cada um apascentará no seu devido lugar.
[4] Preparai a guerra contra ela, disponde-vos, e subamos ao meio-dia. Ai de nós, que já declina o dia, já se vão estendendo as sombras da tarde!
[5] Disponde-vos, e subamos de noite e destruamos os seus castelos.
[6] Porque assim diz o SENHOR dos Exércitos: Cortai árvores e levantai tranqueiras contra Jerusalém. Esta é a cidade que há de ser punida; só opressão há no meio dela.

[7] Como o poço conserva frescas as suas águas, assim ela, a sua malícia; violência e estrago se ouvem nela; enfermidade e feridas há diante de mim continuamente.

[31] Abaprofethi baprofetha amanga, abapristi babusa eceleni kwabo; abantu bami bayakuthanda kanjalo, kepha niyakwenze njani ekupheleni na?

UJeremiya 6

Ukubhujiswa kweJerusalema

[1] Thuthani impahla eJerusalema nina bantwana bakwaBenjamini, nibethe amacilongo eThekhowa, niphakamise insika yomusi eBeti Hakeremi, ngokuba ububi bulunguza ngasenyakatho nokuchitha okukhulu.
[2]Indodakazi yaseSiyoni etotosiweyo nethambileyo ngiyakuyinquma.
[3] Abelusi bayakufika kuyo benemihlambi yabo, bamise amatende abo ngakuyo nxazonke, baluse, kube yilowo nalowo endaweni yakhe.
[4] Zingcweliseleni ukulwa nayo; vukani, sikhuphuke emini. Maye kithina! Ngokuba ilanga liyaphenduka, namathunzi okuhlwa aselulekile.
[5]Vukani, sikhuphuke ebusuku, sichithe izindlu zayo zamakhosi.
[6]Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Gawulani imithi yayo, ninqwabele iduli ngakulo iJerusalema. Yiwo umuzi oyakuhanjelwa, ungukucindezela kuphela phakathi kwawo.
[7]Njengomthombo umpompoza amanzi awo, kanjalo umpompoza ububi bawo; ubudlova nokubhubhisa kuzwakele phakathi kwawo; ukugula namanxeba kukhona phambi kwami njalo.

[8] Aceita a disciplina, ó Jerusalém, para que eu não me aparte de ti; para que eu não te torne em assolação e terra não habitada.

As iniquidades de Jerusalém são a causa de sua queda

[9] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Diligentemente se rebuscarão os resíduos de Israel como uma vinha; vai metendo a mão, como o vindimador, por entre os sarmentos.

[10] A quem falarei e testemunharei, para que ouçam? Eis que os seus ouvidos estão incircuncisos e não podem ouvir; eis que a palavra do SENHOR é para eles coisa vergonhosa; não gostam dela.

[11] Pelo que estou cheio da ira do SENHOR; estou cansado de a conter. Derramá-la-ei sobre as crianças pelas ruas e nas reuniões de todos os jovens; porque até o marido com a mulher serão presos, e o velho, com o decrépito.

[12] As suas casas passarão a outrem, os campos e também as mulheres, porque estenderei a mão contra os habitantes desta terra, diz o SENHOR,

[13] porque desde o menor deles até ao maior, cada um se dá à ganância, e tanto o profeta como o sacerdote usam de falsidade.

[14] Curam superficialmente a ferida do meu povo, dizendo: Paz, paz; quando não há paz.

[8]Mawuxwayiswe, Jerusalema, funa umphefumulo wami wahlukane nawe, funa ngikwenze incithakalo, izwe elingahlalwa.

[9]Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bayakuyikhothoza nokuyikhothoza insali yakwa-Israyeli njengomvini; buyisela isandla sakho emaqomeni njengobutha izithelo zomvini.

[10] Ngiyakukhuluma kubani, ngifakaze ukuba bezwe, na? Bheka, izindlebe zabo azisokile, abanakulalela; bheka, izwi likaNkulunkulu seliyihlazo kubo, abathokozi ngalo.

[11] Ngalokho ngigcwele ukufutheka kukaJehova, ngikhathele ukunyamezela. Kuthululele phezu kwabantwana ezitaladini, nasemihlanganweni yezinsizwa kanyekanye, ngokuba nendoda iyakuthathwa nomkayo, ogugileyo kanye nozinsuku zakhe zigcwele.

[12] Izindlu zabo ziyakunikelwa kwabanye, amasimu abo nawomkabo kanyekanye, ngokuba ngiyakwelulela isandla sami kwabakhileyo ezweni, usho uJehova.

[13] Ngokuba kusukela kwabancane babo kuya kwabakhulu babo bayaphanga impango bonke, nabaprofethi nabapristi bonke baqamba amanga.

[14] Bapholisa kalula ukulimala kwabantu bami, bathi: Ngukuthula, ngukuthula, kepha akukho ukuthula.

[15] Serão envergonhados, porque cometem abominação sem sentir por isso vergonha; nem sabem que coisa é envergonhar-se. Portanto, cairão com os que caem; quando eu os castigar, tropeçarão, diz o SENHOR.

[16] Assim diz o SENHOR: Ponde-vos à margem no caminho e vede, perguntai pelas veredas antigas, qual é o bom caminho; andai por ele e achareis descanso para a vossa alma; mas eles dizem: Não andaremos.

[17] Também pus atalaias sobre vós, dizendo: Estai atentos ao som da trombeta; mas eles dizem: Não escutaremos.

[18] Portanto, ouvi, ó nações, e informa-te, ó congregação, do que se fará entre eles!

[19] Ouve tu, ó terra! Eis que eu trarei mal sobre este povo, o próprio fruto dos seus pensamentos; porque não estão atentos às minhas palavras e rejeitam a minha lei.

[20] Para que, pois, me vem o incenso de Sabá e a melhor cana aromática de terras longínquas? Os vossos holocaustos não me são aprazíveis, e os vossos sacrifícios não me agradam.

[21] Portanto, assim diz o SENHOR: Eis que ponho tropeços a este povo; neles cairão pais e filhos juntamente; o vizinho e o seu companheiro perecerão.

O inimigo do Norte

[15]Bayakuba namahloni, ngokuba benza izinengiso; nokho abanamahloni nakanye, abakhophozi; ngalokho bayakuwa phakathi kwabawayo; ngesikhathi sokubahambela kwami bayakukhubeka, usho uJehova.

[16] Usho kanje uJehova, uthi: Yimani ezindleleni, nibone, nibuze imikhondo yasendulo ukuthi iphi indlela enhle, nihambe ngayo, niyakufumana ukuphumula kwemiphefumulo yenu; kepha bathi: Asiyikuhamba ngayo.

[17] Ngase ngibeka abalindi phezu kwenu, ngithi: Qaphelani ukukhala kwecilongo, kepha bathi: Asiyikukuqaphela.

[18]Ngalokho zwanini nina zizwe, wazi wena bandla ukuthi yintoni ephakathi kwabo.

[19]Yizwa wena mhlaba ukuthi: Bheka, ngiyakwehlisela okubi phezu kwalaba bantu, izithelo zemicabango yabo, ngokuba abaqaphelanga amazwi ami, nomthetho wami bawulahlile.

[20] Ifikelani kimi inhlaka evela eSheba, nomhlanga othaphukayo ovela ezweni elikude, na? Iminikelo yenu yokushiswa ayamukeleki, nemihlatshelo yenu ayimnandi kimi.

[21]Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakubekela laba bantu izikhubekiso, oyise namadodana bakhubeke kanyekanye kuzo, umakhelwane abhubhe kanye nomngane wakhe.

[22] Assim diz o SENHOR: Eis que um povo vem da terra do Norte, e uma grande nação se levanta dos confins da terra.

[23] Trazem arco e dardo; eles são cruéis e não usam de misericórdia; a sua voz ruge como o mar, e em cavalos vêm montados, como guerreiros em ordem de batalha contra ti, ó filha de Sião.

[24] Ao ouvirmos a sua fama, afrouxam-se as nossas mãos, angústia nos toma e dores como de parturiente.

[25] Não saias ao campo, nem andes pelo caminho, porque o inimigo tem espada, e há terror por todos os lados.

[26] Ó filha do meu povo, cinge-te de cilício e revolve-te na cinza; pranteia como por filho único, pranto de amarguras; porque, de súbito, virá o destruidor sobre nós.

O trabalho inútil de Jeremias

[27] Qual acrisolador te estabeleci entre o meu povo, qual fortaleza, para que venhas a conhecer o seu caminho e o examines.

[28] Todos eles são os mais rebeldes e andam espalhando calúnias; são bronze e ferro, são todos corruptores.

[29] O fole bufa, só chumbo resulta do seu fogo; em vão continua o depurador, porque os iníquos não são separados.

[30] Prata de refugo lhes chamarão, porque o SENHOR os refugou.

Jeremias 7

[22] Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, kuvela abantu ezweni elisenyakatho; isizwe esikhulu siyakuvuswa ekugcineni komhlaba.

[23]Babamba umnsalo nomkhonto; banonya, abanamusa, izwi labo liduma njengolwandle, bakhwele amahhashi, behleliwe njengabantu abayakulwa, behlelelwe ukulwa nawe ndodakazi yaseSiyoni.

[24] Sizwile imibiko yalokho: izandla zethu ziyadangala; usizi lusibambile, imihelo njengeyobelethayo.

[25]Ningaphumeli endle, ningahambi endleleni, ngokuba isitha sinenkemba, navalo nxazonke.

[26] Ndodakazi yabantu bami, bhinca indwangu yamasaka, uhuquzele emlotheni, wenze isililo njengesendodana eyodwa, ukukhala okumunyu, ngokuba umphangi uyakusehlela masinyane.

[27] Ngikubekile ukuba ube ngumhloli nenqaba phakathi kwabantu bami, wazi, uhlole indlela yabo.

[28] Bahlubukile bonke nokuhlubuka, behamba behleba; bayithusi nensimbi, bangabachithi bonke.

[29]Izifutho ziyafutha, kepha emlilweni kuphuma umthofu kuphela; impela bancibilikisela ize nje, ngokuba ababi abakhishwa.

[30]Bayakuthiwa isiliva elilahlwayo, ngokuba uJehova ubalahlile.

UJeremiya 7

O templo não protege a nação iníqua

[1] Palavra que da parte do SENHOR foi dita a Jeremias:

[2] Põe-te à porta da Casa do SENHOR, e proclama ali esta palavra, e dize: Ouvi a palavra do SENHOR, todos de Judá, vós, os que entrais por estas portas, para adorardes ao SENHOR.

[3] Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Emendai os vossos caminhos e as vossas obras, e eu vos farei habitar neste lugar.

[4] Não confieis em palavras falsas, dizendo: Templo do SENHOR, templo do SENHOR, templo do SENHOR é este.

[5] Mas, se deveras emendardes os vossos caminhos e as vossas obras, se deveras praticardes a justiça, cada um com o seu próximo;

[6] se não oprimirdes o estrangeiro, e o órfão, e a viúva, nem derramardes sangue inocente neste lugar, nem andardes após outros deuses para vosso próprio mal,

[7] eu vos farei habitar neste lugar, na terra que dei a vossos pais, desde os tempos antigos e para sempre.

[8] Eis que vós confiais em palavras falsas, que para nada vos aproveitam.

[9] Que é isso? Furtais e matais, cometeis adultério e jurais falsamente, queimais incenso a Baal e andais após outros deuses que não conheceis,

[10] e depois vindes, e vos pondes diante de mim nesta casa que se chama pelo meu

Ukungcoliswa kwethempeli

[1]Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lithi:

[2] Yima esangweni lendlu kaJehova, umemeze lapho leli zwi, uthi: Zwanini izwi likaJehova nina nonke bakwaJuda eningena ngalawa masango ukukhuleka kuJehova.

[3] Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Lungisani izindlela zenu nezenzo zenu, khona ngiyakunakhisa kule ndawo.

[4] Ningethembi emazwini amanga, lapho kuthiwa: Nanti ithempeli likaJehova, ithempeli likaJehova, ithempeli likaJehova.

[5]Ngokuba uma nizilungisa nokuzilungisa izindlela zenu nezenzo zenu, uma nenza ukwahlulela impela phakathi komuntu nomakhelwane wakhe,

[6] uma ningacindezeli umfokazi, nentandane, nomfelokazi, ningachithi igazi elingenacala kule ndawo, futhi ningalandeli abanye onkulunkulu ukuba nilimale,

[7]ngiyakunakhisa kule ndawo ezweni engalinika oyihlo kusukela endulo kuze kube phakade.

[8]Bhekani, niyethemba emazwini amanga angenakusiza.

[9] Niyakweba yini, nibulale, niphinge, nifunge amanga, nimshisele uBali impepho, nilandele abanye onkulunkulu eningabazanga,

[10]bese nifika nime ngaphambi kwami kule ndlu ebizwe ngegama lami, nithi:

nome, e dizeis: Estamos salvos; sim, só para continuardes a praticar estas abominações!

Sophuliwe -- nize nenze zonke lezi zinengiso, na?

[11] Será esta casa que se chama pelo meu nome um covil de salteadores aos vossos olhos? Eis que eu, eu mesmo, vi isto, diz o SENHOR.

[11] Le ndlu ebizwe ngegama lami isiphenduke umhume wabaphangi emehlweni enu na? Bhekani, nami ngiyakubona, usho uJehova.

[12] Mas ide agora ao meu lugar que estava em Siló, onde, no princípio, fiz habitar o meu nome, e vede o que lhe fiz, por causa da maldade do meu povo de Israel.

[12] Kepha hambani niye endaweni yami eShilo, lapho ngalibeka khona igama lami kuqala, nibone engakwenzayo kuyo ngenxa yobubi babantu bami u-Israyeli.

[13] Agora, pois, visto que fazeis todas estas obras, diz o SENHOR, e eu vos falei, começando de madrugada, e não me ouvistes, chamei-vos, e não me respondestes,

[13] Manje ngokuba niyenzile yonke le misebenzi, usho uJehova, ningalalelanga, noma ngakhuluma njalonjalo, nganibiza, ningaphendulanga,

[14] farei também a esta casa que se chama pelo meu nome, na qual confiais, e a este lugar, que vos dei a vós outros e a vossos pais, como fiz a Siló.

[14] ngiyakwenza kule ndlu ebizwe ngegama lami nenithemba kuyo, nakule ndawo enganinika yona nina nawoyihlo, njengalokho ngenza kulo iShilo.

[15] Lançar-vos-ei da minha presença, como arrojei a todos os vossos irmãos, a toda a posteridade de Efraim.

[15] Ngiyakunilahla ebusweni bami, njengalokho ngabalahla bonke abafowenu, yonke inzalo yakwa-Efrayimi.

A intercessão do profeta não salvará o povo rebelde

[16] Tu, pois, não intercedas por este povo, nem levantes por ele clamor ou oração, nem me importunes, porque eu não te ouvirei.

[16] Wena-ke ungakhulekeli laba bantu, ungabaphakamiseli ukukhala nomkhuleko, ungabanxuseli kimi, ngokuba angiyikuzwa.

[17] Acaso, não vês tu o que andam fazendo nas cidades de Judá e nas ruas de Jerusalém?

[17]Awuboni ukuthi benzani emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema na?

[18] Os filhos apanham a lenha, os pais acendem o fogo, e as mulheres amassam a farinha, para se fazerem bolos à Rainha

[18]Abantwana batheza izinkuni, oyise baphemba umlilo, abesifazane baxova inhlama ukuba benzele inkosikazi yezulu amaqebelengwane, bathululele abanye

dos Céus; e oferecem libações a outros deuses, para me provocarem à ira.

19 Acaso, é a mim que eles provocam à ira, diz o SENHOR, e não, antes, a si mesmos, para a sua própria vergonha?

20 Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Eis que a minha ira e o meu furor se derramarão sobre este lugar, sobre os homens e sobre os animais, sobre as árvores do campo e sobre os frutos da terra; arderá e não se apagará.

A mera multiplicação dos sacrifícios é debalde

21 Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Ajuntai os vossos holocaustos aos vossos sacrifícios e comei carne.

22 Porque nada falei a vossos pais, no dia em que os tirei da terra do Egito, nem lhes ordenei coisa alguma acerca de holocaustos ou sacrifícios.

23 Mas isto lhes ordenei, dizendo: Dai ouvidos à minha voz, e eu serei o vosso Deus, e vós sereis o meu povo; andai em todo o caminho que eu vos ordeno, para que vos vá bem.

24 Mas não deram ouvidos, nem atenderam, porém andaram nos seus próprios conselhos e na dureza do seu coração maligno; andaram para trás e não para diante.

25 Desde o dia em que vossos pais saíram da terra do Egito até hoje, enviei-vos todos os meus servos, os profetas, todos os dias; começando de madrugada, eu os enviei.

onkulunkulu umnikelo wokuphuzwa ukuba bangicunule.

19Kepha yimi abangicunulayo yini, usho uJehova: akusibo, buze bujabhe ubuso babo, na?

20 Ngalokho isho njalo iNkosi uNkulunkulu, ithi: Bheka, intukuthelo yami nokufutheka kwami kuyakuthululwa kule ndawo phezu kwabantu, naphezu kwezinkomo, naphezu kwemithi yasendle, naphezu kwezithelo zomhlaba, kuvuthe kungacimi.

21 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli: Thasiselani iminikelo yenu yokushiswa emihlatshelweni yenu, nidle inyama.

22Ngokuba angikhulumanga koyihlo, angibayalelanga ngezindaba zeminikelo nemihlatshelo mhla ngibakhipha ezweni laseGibithe,

23 kepha ngabayala kuphela le nto yokuthi: Lalelani izwi lami, ngiyakuba nguNkulunkulu wenu, nina nibe ngabantu bami, nihambe ngezindlela zonke enganiyala ngazo ukuba kube kuhle kini.

24 Kepha abalalelanga, ababekanga izindlebe zabo, kepha bahamba ngamacebo abo nangenkani yezinhliziyo zabo ezimbi; bahlehla, abayanga phambili.

25 Kusukela osukwini oyihlo abaphuma ngalo ezweni laseGibithe kuze kube namuhla ngithumile kini zonke izinceku zami abaprofethi, ngibathuma imihla ngemihla njalonjalo.

[26] Mas não me destes ouvidos, nem me atendestes; endurecestes a cerviz e fizestes pior do que vossos pais.

[27] Dir-lhes-ás, pois, todas estas palavras, mas não te darão ouvidos; chamá-los-ás, mas não te responderão.

[28] Dir-lhes-ás: Esta é a nação que não atende à voz do SENHOR, seu Deus, e não aceita a disciplina; já pereceu, a verdade foi eliminada da sua boca.

Judá rejeitado por Deus

[29] Corta os teus cabelos consagrados, ó Jerusalém, e põe-te a prantear sobre os altos desnudos; porque já o SENHOR rejeitou e desamparou a geração objeto do seu furor;

[30] porque os filhos de Judá fizeram o que era mau perante mim, diz o SENHOR; puseram os seus ídolos abomináveis na casa que se chama pelo meu nome, para a contaminarem.

[31] Edificaram os altos de Tofete, que está no vale do filho de Hinom, para queimarem a seus filhos e a suas filhas; o que nunca ordenei, nem me passou pela mente.

[32] Portanto, eis que virão dias, diz o SENHOR, em que já não se chamará Tofete, nem vale do filho de Hinom, mas o vale da Matança; os mortos serão enterrados em Tofete por não haver outro lugar.

[26]Nokho abangilalelanga, ababekanga izindlebe zabo, kepha benza lukhuni izintamo zabo; benza kabi kunawoyise.

[27] Uyakukhuluma onke lawo mazwi kubo, kepha abayikukulalela; uyakubabiza, kepha abayikukuphendula.

[28]Uyakuthi kubo: Yilesi sizwe esingalilalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu waso, singamukelanga ukulaywa; iqiniso libhubhile, linqunyiwe emlonyeni waso.

[29]Gunda izinwele zakho, Jerusalema, uzilahle, wenze isililo emadulini angenalutho, ngokuba uJehova usalile, wasilahla isizukulwane sentukuthelo yakhe.

[30] Ngokuba abantwana bakwaJuda benzile okubi emehlweni ami, usho uJehova; bazibekile izinengiso zabo endlini ebizwe ngegama lami zokuba bayingcolise.

[31] Bakhile izindawo eziphakemeyo zaseThofeti ezisesigodini sendodana kaHinomu ukuba bashise amadodana abo namadodakazi abo ngomlilo, engingakuyalelanga nokungangenanga enhliziyweni yami.

[32] Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, elingasayikubizwa ngazo ngokuthi iThofeti nesigodi sendodana kaHinomu kepha isiGodi Sokubulala, ngokuba bayakumbela eThofeti, lokhu ingekho enye indawo.

[33] Os cadáveres deste povo servirão de pasto às aves dos céus e aos animais da terra; e ninguém haverá que os espante.

[34] Farei cessar nas cidades de Judá e nas ruas de Jerusalém a voz de folguedo e a de alegria, a voz de noivo e a de noiva; porque a terra se tornará em desolação.

Jeremias 8

[1] Naquele tempo, diz o SENHOR, lançarão para fora das suas sepulturas os ossos dos reis e dos príncipes de Judá, os ossos dos sacerdotes e dos profetas e os ossos dos habitantes de Jerusalém;

[2] espalhá-los-ão ao sol, e à lua, e a todo o exército do céu, a quem tinham amado, e a quem serviram, e após quem tinham ido, e a quem procuraram, e diante de quem se tinham prostrado; não serão recolhidos, nem sepultados; serão como esterco sobre a terra.

[3] Escolherão antes a morte do que a vida todos os que restarem desta raça malvada que ficar nos lugares para onde os dispersei, diz o SENHOR dos Exércitos.

O castigo é inevitável

[4] Dize-lhes mais: Assim diz o SENHOR: Quando caem os homens, não se tornam a levantar? Quando alguém se desvia do caminho, não torna a voltar?

[33] Izidumbu zalaba bantu ziyakuba ngukudla kwezinyoni zezulu nokwezilwane zomhlaba; akakho oyakuzesabisa.

[34]Ngiyakuthulisa emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema izwi lokujabula nezwi lokuthokoza, izwi lomyeni nezwi lomakoti, ngokuba izwe liyakuba yincithakalo.

UJeremiya 8

[1] Ngaleso sikhathi, usho uJehova, bayakuwakhipha amathambo amakhosi akwaJuda, namathambo ezikhulu zakhe, namathambo abapristi namathambo abaprofethi, namathambo abakhileyo eJerusalema emathuneni abo,

[2] baweneke elangeni nasenyangeni nakulo lonke ibandla lasezulwini, abakuthandile, bakukhonza, bakulandela, bakufuna, bakhuleka kukho; awayikubuthwa, awayikumbelwa, ayakuba ngumquba ebusweni bomhlabathi.

[3]Ukufa kuyakukhethwa kunokuphila yinsali yonke esele kulowo mndeni omubi, esele ezindaweni zonke, lapho ngiyixoshele khona, usho uJehova Sebawoti.

Izono nokwahlulela

[4] Futhi uyakusho kubo, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Abantu bayakuwa, bangabuyi basukume, na? Umuntu uyaphambuka, angabuyi aphenduke, na?

[5] Por que, pois, este povo de Jerusalém se desvia, apostatando continuamente? Persiste no engano e não quer voltar.
[6] Eu escutei e ouvi; não falam o que é reto, ninguém há que se arrependa da sua maldade, dizendo: Que fiz eu? Cada um corre a sua carreira como um cavalo que arremete com ímpeto na batalha.
[7] Até a cegonha no céu conhece as suas estações; a rola, a andorinha e o grou observam o tempo da sua arribação; mas o meu povo não conhece o juízo do SENHOR.
[8] Como, pois, dizeis: Somos sábios, e a lei do SENHOR está conosco? Pois, com efeito, a falsa pena dos escribas a converteu em mentira.
[9] Os sábios serão envergonhados, aterrorizados e presos; eis que rejeitaram a palavra do SENHOR; que sabedoria é essa que eles têm?
[10] Portanto, darei suas mulheres a outros, e os seus campos, a novos possuidores; porque, desde o menor deles até ao maior, cada um se dá à ganância, e tanto o profeta como o sacerdote usam de falsidade.

[11] Curam superficialmente a ferida do meu povo, dizendo: Paz, paz; quando não há paz.

[12] Serão envergonhados, porque cometem abominação sem sentir por isso vergonha; nem sabem que coisa é envergonhar-se.

[5]Bahlehlelani laba bantu baseJerusalema ngokuhlehla njalonjalo na? Babambelela enkohlisweni, bala ukubuya.
[6]Ngaqaphela, ngezwa; abakhulumanga kahle; akakho ozisola ngobubi bakhe, ethi: Ngenzeni na? Bonke baphendukela emisebenzini yabo njengamahhashi aphulukundlela empini.
[7] Nonogolantethe emkhathini uyazazi izikhathi zakhe ezimisiweyo, ihobhe, nenkonjane, nonohemu bagcina isikhathi sokufika kwabo, kepha abantu bami abazazi izahlulelo zikaJehova.
[8] Ningasho kanjani, nithi: Sihlakaniphile, umthetho kaJehova unathi, na? Impela bheka, uthi lokuloba lwamanga lwababhali lusebenzile okwamanga.

[9] Abahlakaniphileyo bayakujabha, besabe, babhajwe; bheka, balilahlile izwi likaJehova, banokuhlakanipha kuni na?

[10] Ngalokho abafazi babo ngiyakubanika abanye, namasimu abo kwabayakuwadla, ngokuba kusukela kwabancane kuya kwabakhulu bayaphanga impango bonke, nabaprofethi nabapristi bonke baqamba amanga.
[11] Bapholisa kalula ukulimala kwendodakazi yabantu bami, bathi: Ngukuthula, ngukuthula; Kepha akukho ukuthula.
[12]Bayakuba namahloni, ngokuba benza izinengiso; nokho abanamahloni nakanye, abakhophozi; ngalokho bayakuwa phakathi kwabawayo, ngesikhathi

Portanto, cairão com os que caem; quando eu os castigar, tropeçarão, diz o SENHOR.

[13] Eu os consumirei de todo, diz o SENHOR; não haverá uvas na vide, nem figos na figueira, e a folha já está murcha; e já lhes designei os que passarão sobre eles.

[14] Por que estamos ainda assentados aqui? Reuni-vos, e entremos nas cidades fortificadas e ali pereçamos; pois o SENHOR já nos decretou o perecimento e nos deu a beber água venenosa, porquanto pecamos contra o SENHOR.

[15] Espera-se a paz, e nada há de bom; o tempo da cura, e eis o terror.

[16] Desde Dã se ouve o resfolegar dos seus cavalos; toda a terra treme à voz dos rinchos dos seus garanhões; e vêm e devoram a terra e a sua abundância, a cidade e os que habitam nela.

[17] Porque eis que envio para entre vós serpentes, áspides contra as quais não há encantamento, e vos morderão, diz o SENHOR.

A dor do profeta por causa da ruína do povo

[18] Oh! Se eu pudesse consolar-me na minha tristeza! O meu coração desfalece dentro de mim.

[19] Eis a voz do clamor da filha do meu povo de terra mui remota: Não está o SENHOR em Sião? Não está nela o seu Rei? Por que me provocaram à ira com as suas imagens de escultura, com os ídolos dos estrangeiros?

sokubahambela kwami bayakukhubeka, usho uJehova.

[13] Bengiyakubutha nokubutha, usho uJehova, kepha azikho izithelo zomvini emvinini, namakhiwane emkhiwaneni; namaqabunga abunile; engibanikile khona kusukile kubo.

[14] Sihlalelani na? Buthanani, singene emizini ebiyelweyo, sibhubhe khona, ngokuba uJehova uNkulunkulu wethu usibhubhisile, wasiphuzisa amanzi enyongo, ngokuba sonile kuJehova.

[15] Silindela ukuthula, kepha okuhle akukho, nesikhathi sokuphulukiswa, kepha bheka, luvalo.

[16] Ukuthimula kwamahhashi akhe kuyezwakala kwaDani; ngezwi lokuyiyiza kwanamandla akhe izwe lonke liyathuthumela, ngokuba afikile, alidlile izwe nakho konke okukulo, umuzi nabakhe kuwo.

[17] Ngokuba ngiyathuma kini izinyoka nawomantshingeyana abangenakulunjwa, bayakuniluma, usho uJehova.

[18]Alunakududuzeka kimi usizi oluphezu kwami, inhliziyo yami idangele.

[19] Bheka, izwi lokukhala kwendodakazi yabantu bami livela ezweni elikude, lithi: Akakho uJehova eSiyoni na? Ayikho inkosi yalo kulo na? Bangicunuleleni ngezithombe zabo ezibaziweyo nangokuyize kwabezizwe na?

[20] Passou a sega, findou o verão, e nós não estamos salvos.
[21] Estou quebrantado pela ferida da filha do meu povo; estou de luto; o espanto se apoderou de mim.

[22] Acaso, não há bálsamo em Gileade? Ou não há lá médico? Por que, pois, não se realizou a cura da filha do meu povo?

Jeremias 9

[1] Prouvera a Deus a minha cabeça se tornasse em águas, e os meus olhos, em fonte de lágrimas! Então, choraria de dia e de noite os mortos da filha do meu povo.

[2] Prouvera a Deus eu tivesse no deserto uma estalagem de caminhantes! Então, deixaria o meu povo e me apartaria dele, porque todos eles são adúlteros, são um bando de traidores;
[3] curvam a língua, como se fosse o seu arco, para a mentira; fortalecem-se na terra, mas não para a verdade, porque avançam de malícia em malícia e não me conhecem, diz o SENHOR.

[4] Guardai-vos cada um do seu amigo e de irmão nenhum vos fieis; porque todo irmão não faz mais do que enganar, e todo amigo anda caluniando.

[5] Cada um zomba do seu próximo, e não falam a verdade; ensinam a sua língua a proferir mentiras; cansam-se de praticar a iniqüidade.

[20] Ukuvuna kudlulile, ihlobo liphelile, kepha thina asisindiswanga.
[21]Ngokulimala kwendodakazi yabantu bami ngilimele; ngidabukile, ukumangala kungibambile.
[22] Ibhalisamu alikho kwaGileyadi na? Inyanga ayikho lapho na? Pho, ayipheleliswa ngani impilo yendodakazi yabantu bami na?

UJeremiya 9

[1] Sengathi ikhanda lami nga lingamanzi, namehlo ami umthombo wezinyembezi ukuba ngikhalele ababuleweyo bendodakazi yabantu bami imini nobusuku.
[2] Sengathi nga nginendawo yokulala kwezihambi ehlane ukuba ngishiye abantu bami, ngisuke kubo, ngokuba bangabaphingi bonke, umhlangano wabakhohlisi.

[3] Bagobela umnsalo wolimi lwabo amanga, abaqinelanga iqiniso ezweni; kepha basuka kokubi, baya kokubi; mina-ke abangazi, usho uJehova.

[4] Yilowo nalowo makaxwaye umakhelwane wakhe, ningethembi nakumfowenu, ngokuba abafowenu bonke bayaqinela, nabo bonke abakhelwane bayahambahamba behleba.
[5] Yilowo nalowo uyakhohlisa umakhelwane wakhe, abakhulumi iqiniso; bazifundisile izilimi zabo ukukhuluma amanga, bazikhathaza ngokwenza okubi.

[6] Vivem no meio da falsidade; pela falsidade recusam conhecer-me, diz o SENHOR.

Ameaças de ruína e exílio

[7] Portanto, assim diz o SENHOR dos Exércitos: Eis que eu os acrisolarei e os provarei; porque de que outra maneira procederia eu com a filha do meu povo?

[8] Flecha mortífera é a língua deles; falam engano; com a boca fala cada um de paz com o seu companheiro, mas no seu interior lhe arma ciladas.

[9] Acaso, por estas coisas não os castigaria? – diz o SENHOR; ou não me vingaria eu de nação tal como esta?

[10] Pelos montes levantarei choro e pranto e pelas pastagens do deserto, lamentação; porque já estão queimadas, e ninguém passa por elas; já não se ouve ali o mugido de gado; tanto as aves dos céus como os animais fugiram e se foram.

[11] Farei de Jerusalém montões de ruínas, morada de chacais; e das cidades de Judá farei uma assolação, de sorte que fiquem desabitadas.

[12] Quem é o homem sábio, que entenda isto, e a quem falou a boca do SENHOR, homem que possa explicar por que razão pereceu a terra e se queimou como deserto, de sorte que ninguém passa por ela?

[13] Respondeu o SENHOR: Porque deixaram a minha lei, que pus perante eles, e não deram ouvidos ao que eu disse, nem andaram nela.

[6]Uhlala phakathi kwenkohliso; ngenkohliso bayala ukungazi, usho uJehova.

[7] Ngalokho uJehova Sebawoti usho kanje, uthi: Ngiyakubancibilikisa, ngibavivinye, ngokuba ngingenze njani ngenxa yendodakazi yabantu bami na?

[8] Ulimi lwabo lungumcibisholo obulalayo, lukhuluma inkohliso; bakhuluma kahle ngomlomo wabo kumakhelwane wabo, kepha ezinhliziyweni bayamqamekela.

[9] Angiyikubahambela ngalokhu na? usho uJehova. Umphefumulo wami awuyikuphindisa esizweni esinjengalesi na?

[10] Ngiyakuphakamisela izintaba ukukhala nokulila, namadlelo asehlane ukulilisela, ngokuba ashisiwe kungekho muntu odlula kuwo, kungezwakali ukukhonya kwezinkomo; izinyoni zezulu nezilwane zibalekile, zahamba.

[11] Ngiyakulenza iJerusalema libe yizinqwaba nekhaya lamakhanka, ngenze imizi yakwaJuda incithakalo, lapho kungahlali muntu khona.

[12] Ngubani umuntu ohlakaniphileyo ongakuqonda lokhu, okhulumile kuye umlomo kaJehova, akumemezele, na? Izwe lichithelweni, lasha njengehlane, kungekho odabulayo, na?

[13]UJehova wathi: Ngokuba bewushiyile umthetho wami engawubeka phambi kwabo, bengalilalelanga izwi lami, bengahambanga ngalo,

[14] Antes, andaram na dureza do seu coração e seguiram os baalins, como lhes ensinaram os seus pais.

[15] Portanto, assim diz o SENHOR dos Exércitos, Deus de Israel: Eis que alimentarei este povo com absinto e lhe darei a beber água venenosa.

[16] Espalhá-los-ei entre nações que nem eles nem seus pais conheceram; e enviarei a espada após eles, até que eu venha a consumi-los.

[17] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Considerai e chamai carpideiras, para que venham; mandai procurar mulheres hábeis, para que venham.

[18] Apressem-se e levantem sobre nós o seu lamento, para que os nossos olhos se desfaçam em lágrimas, e as nossas pálpebras destilem água.

[19] Porque uma voz de pranto se ouve de Sião: Como estamos arruinados! Estamos sobremodo envergonhados, porque deixamos a terra, e eles transtornaram as nossas moradas.

[20] Ouvi, pois, vós, mulheres, a palavra do SENHOR, e os vossos ouvidos recebam a palavra da sua boca; ensinai o pranto a vossas filhas; e, cada uma à sua companheira, a lamentação.

[21] Porque a morte subiu pelas nossas janelas e entrou em nossos palácios; exterminou das ruas as crianças e os jovens, das praças.

[14]kepha belandela inkani yezinhliziyo zabo nawoBali abakufundiswa ngoyise.

[15] Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakubanika laba bantu ukuba badle umhlonyane, baphuze amanzi enyongo.

[16] Ngiyakubahlakazela ezizweni abangazazanga bona nawoyise, ngithume emva kwabo inkemba, ngize ngibaqede.

[17] Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Qaphelani, nibize abesifazane besililo ukuba bafike, nithumele kwabesifazane abahlakaniphileyo ukuba bafike,

[18]basheshe basikhihlele isililo, ukuze amehlo ethu amululeke izinyembezi, nezinkophe zethu ziphophoze amanzi.

[19]Ngokuba izwi lokukhala lizwakala livela eSiyoni, lithi: Yeka ukuphangwa kwethu! Sijabhile kakhulu, ngokuba silishiyile izwe, ngokuba badilizile izindlu zethu.

[20]Yebo, zwanini izwi likaJehova nina besifazane, izindlebe zenu zilamukele izwi lomlomo wakhe, nifundise amadodakazi enu ukukhala, kube yilowo nalowo umakhelwane wakhe ukulila.

[21]Ngokuba ukufa kwenyukele emafasiteleni ethu, kungene ezindlini zethu zamakhosi ukunquma abantwana ezitaladini, nezinsizwa ezigcawini.

[22] Fala: Assim diz o SENHOR: Os cadáveres dos homens jazerão como esterco sobre o campo e cairão como gavela atrás do segador, e não há quem a recolha.

Conhecer a Deus constitui a glória do homem

[23] Assim diz o SENHOR: Não se glorie o sábio na sua sabedoria, nem o forte, na sua força, nem o rico, nas suas riquezas;

[24] mas o que se gloriar, glorie-se nisto: em me conhecer e saber que eu sou o SENHOR e faço misericórdia, juízo e justiça na terra; porque destas coisas me agrado, diz o SENHOR.

[25] Eis que vêm dias, diz o SENHOR, em que castigarei a todos os circuncidados juntamente com os incircuncisos:

[26] ao Egito, e a Judá, e a Edom, e aos filhos de Amom, e a Moabe, e a todos os que cortam os cabelos nas têmporas e habitam no deserto; porque todas as nações são incircuncisas, e toda a casa de Israel é incircuncisa de coração.

Jeremias 10

Contraste entre o Senhor e os ídolos

[1] Ouvi a palavra que o SENHOR vos fala a vós outros, ó casa de Israel.

[2] Assim diz o SENHOR: Não aprendais o caminho dos gentios, nem vos espanteis com os sinais dos céus, porque com eles os gentios se atemorizam.

[22] Khuluma! Usho kanje uJehova, uthi: Izidumbu zabantu ziyakuwa njengomquba endle, nanjengesithonto emva komvuni, kungekho okubuthayo.

[23]Usho kanje uJehova, uthi: Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe,

[24] kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nokwahlulela nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo, usho uJehova.

[25] Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakuhambela bonke abasokileyo ekungasokini kwabo,

[26] iGibithe, noJuda, no-Edomi, nabantwana bakwa-Amoni, noMowabi, nabo bonke abadilingiwe emaceleni amakhanda abo abakhe ehlane, ngokuba zonke izizwe azisokile, nendlu yonke yakwa-Israyeli ayisokile enhliziyweni.

UJeremiya 10

Ubuze bokukhonza izithombe

[1]Zwanini izwi uJehova alikhuluma kini nina ndlu ka-Israyeli.

[2] Usho kanje uJehova, uthi: Ningayifundi indlela yabezizwe, ningashaywa luvalo ngezibonakaliso zasezulwini, ngokuba abezizwe bezesaba.

[3] Porque os costumes dos povos são vaidade; pois cortam do bosque um madeiro, obra das mãos do artífice, com machado;

[4] com prata e ouro o enfeitam, com pregos e martelos o fixam, para que não oscile.

[5] Os ídolos são como um espantalho em pepinal e não podem falar; necessitam de quem os leve, porquanto não podem andar. Não tenhais receio deles, pois não podem fazer mal, e não está neles o fazer o bem.

[6] Ninguém há semelhante a ti, ó SENHOR; tu és grande, e grande é o poder do teu nome.

[7] Quem te não temeria a ti, ó Rei das nações? Pois isto é a ti devido; porquanto, entre todos os sábios das nações e em todo o seu reino, ninguém há semelhante a ti.

[8] Mas eles todos se tornaram estúpidos e loucos; seu ensino é vão e morto como um pedaço de madeira.

[9] Traz-se prata batida de Társis e ouro de Ufaz; os ídolos são obra de artífice e de mãos de ourives; azuis e púrpuras são as suas vestes; todos eles são obra de homens hábeis.

[10] Mas o SENHOR é verdadeiramente Deus; ele é o Deus vivo e o Rei eterno; do seu furor treme a terra, e as nações não podem suportar a sua indignação.

[3] Ngokuba imikhuba yabantu iyize, lokhu kugawulwa umuthi ehlathini; ngumsebenzi wesandla sesisebenzi ngembazo.

[4]Bawenza ube muhle ngesiliva nangegolide, bawubethela ngezipikili nangezando ukuba ungazamazami.

[5] Ungumsebenzi okhandiweyo, awukhulumi; uyathwalwa nokuthwalwa, ngokuba awuhambi. Ungawesabi, ngokuba awenzi okubi, nokuhle awunakukwenza.

[6] Akakho onjengawe Jehova; umkhulu, igama lakho likhulu ngobuqhawe.

[7] Ngubani ongekwesabe, Nkosi yezizwe, ngokuba uyimfanelo yakho, ngokuba phakathi kwabo bonke abahlakaniphileyo bezizwe nakuyo yonke imibuso yabo akakho onjengawe.

[8] Bayiziphukuphuku, bayiziwula bonke; ngukulaya kwezithombe; kungumuthi nje,

[9] nezingcwecwe zesiliva ezilethwe zivela eTharishishi negolide lase-Ofiri, umsebenzi wesisebenzi nowezandla zomkhandi, kugqokiswe okuluhlaza nokububende, kungumsebenzi wabahlakaniphileyo konke.

[10] Kepha uJehova unguNkulunkulu weqiniso, unguNkulunkulu ophilileyo neNkosi yaphakade; ngentukuthelo yakhe umhlaba uyazamazama, izizwe azinakuma ngokufutheka kwakhe.

[11] Assim lhes direis: Os deuses que não fizeram os céus e a terra desaparecerão da terra e de debaixo destes céus.

[12] O SENHOR fez a terra pelo seu poder; estabeleceu o mundo por sua sabedoria e com a sua inteligência estendeu os céus.
[13] Fazendo ele ribombar o trovão, logo há tumulto de águas no céu, e sobem os vapores das extremidades da terra; ele cria os relâmpagos para a chuva e dos seus depósitos faz sair o vento.
[14] Todo homem se tornou estúpido e não tem saber; todo ourives é envergonhado pela imagem que ele mesmo esculpiu; pois as suas imagens são mentira, e nelas não há fôlego.

[15] Vaidade são, obra ridícula; no tempo do seu castigo, virão a perecer.

[16] Não é semelhante a estas Aquele que é a Porção de Jacó; porque ele é o Criador de todas as coisas, e Israel é a tribo da sua herança; SENHOR dos Exércitos é o seu nome.

Lamento sobre a desolação de Judá

[17] Tira do chão a tua trouxa, ó filha de Sião, que moras em lugar sitiado.
[18] Porque assim diz o SENHOR: Eis que desta vez arrojarei para fora os moradores da terra e os angustiarei, para que venham a senti-lo.
[19] Ai de mim, por causa da minha ruína! É mui grave a minha ferida; então, eu disse: com efeito, é isto o meu sofrimento, e tenho de suportá-lo.

[11] Niyakusho kanje kubo, nithi: Onkulunkulu abangenzanga izulu nomhlaba, labo bayakubhubha emhlabeni nangaphansi kwezulu.
[12] Wawenza umhlaba ngamandla akhe, walimisa izwe ngokuhlakanipha kwakhe, ngokuqonda kwakhe waleneka izulu.
[13] Lapho elizwakalisa izwi lakhe, kungukuhlokoma kwamanzi ezulwini; uzikhuphula izinkungu emikhawulweni yomhlaba, enzele imvula unyazi, awukhiphe umoya endlini yengcebo.
[14] Bonke abantu bayiziphukuphuku, abanakwazi; bonke abakhandi bajabhiswa nezithombe zabo ezibaziweyo, ngokuba izithombe zabo ezibunjiweyo zingamanga, nomoya awukho kuzo.
[15]Ziyize, umsebenzi wenkohliso; ngesikhathi sokuhanjelwa kwabo ziyakubhubha.

[16] Oyisabelo sikaJakobe akanjengalezo, ngokuba nguye obumbile konke; u-Israyeli uyisizwe sefa lakhe, nguJehova Sebawoti igama lakhe.

Ukumenyezelwa kokuthunjwa

[17]Qoqa umshuqulo wakho ezweni wena ohlezi ekuvinjezelweni.
[18]Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakubazwiba abakhileyo ezweni ngalo mzuzwana, ngibacindezele ukuze bakuzwe.
[19] Maye kimina ngenxa yokulimala kwami! Ukushaywa kwami kunzima. Kepha ngithi mina: Nempela lokhu kulusizi lwami, ngiyakuluthwala.

[20] A minha tenda foi destruída, todas as cordas se romperam; os meus filhos se foram e já não existem; ninguém há que levante a minha tenda e lhe erga as lonas.

[21] Porque os pastores se tornaram estúpidos e não buscaram ao SENHOR; por isso, não prosperaram, e todos os seus rebanhos se acham dispersos.

[22] Eis aí um rumor! Eis que vem grande tumulto da terra do Norte, para fazer das cidades de Judá uma assolação, morada de chacais.

[23] Eu sei, ó SENHOR, que não cabe ao homem determinar o seu caminho, nem ao que caminha o dirigir os seus passos.
[24] Castiga-me, ó SENHOR, mas em justa medida, não na tua ira, para que não me reduzas a nada.

[25] Derrama a tua indignação sobre as nações que não te conhecem e sobre os povos que não invocam o teu nome; porque devoraram a Jacó, devoraram-no, consumiram-no e assolaram a sua morada.

Jeremias 11

A aliança é violada

[1] Palavra que veio a Jeremias, da parte do SENHOR, dizendo:
[2] Ouve as palavras desta aliança e fala aos homens de Judá e aos habitantes de Jerusalém;

[20]Itende lami lichithakele, zonke izintambo zami zigqabukile; abantwana bami basukile kimi, kabasekho; kasekho owokwelula itende lami nowokumisa izilenge zami.
[21] Ngokuba abelusi bayiziphukuphuku, abamfunanga uJehova; ngalokho abaphumelelanga, nomhlambi wabo wonke uhlakazekile.
[22] Bheka, kusondela izwi lombiko, nokuzamazama okukhulu okuvela ezweni lasenyakatho, ukuba kwenze imizi yakwaJuda ibe yincithakalo, indawo yokuhlala kwamakhanka.
[23] Ngiyazi, Jehova, ukuthi indlela yomuntu ayikuye uqobo; akukuyo indoda ukuba ihambe, iqondise izinyathelo zayo.
[24] Ngilaye, Jehova, kepha ngokwahlulela, kungabi ngentukuthelo yakho, funa ungenze into engelutho.
[25] Thulula ukufutheka kwakho phezu kwabezizwe abangakwaziyo naphezu kwemindeni engalibizi igama lakho, ngokuba bamdlile uJakobe; yebo, bamdlile bamqeda, balichitha ikhaya lakhe.

UJeremiya 11

Amazwi esivumelwano

[1]Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lithi:
[2] Zwanini amazwi alesi sivumelwano, nikhulume kubantu bakwaJuda nakwabakhileyo eJerusalema,

[3] dize-lhes: Assim diz o SENHOR, o Deus de Israel: Maldito o homem que não atentar para as palavras desta aliança,

[4] que ordenei a vossos pais, no dia em que os tirei da terra do Egito, da fornalha de ferro, dizendo: dai ouvidos à minha voz e fazei tudo segundo o que vos mando; assim, vós me sereis a mim por povo, e eu vos serei a vós outros por Deus;

[5] para que confirme o juramento que fiz a vossos pais de lhes dar uma terra que manasse leite e mel, como se vê neste dia. Então, eu respondi e disse: amém, ó SENHOR!

[6] Tornou-me o SENHOR: Apregoa todas estas palavras nas cidades de Judá e nas ruas de Jerusalém, dizendo: Ouvi as palavras desta aliança e cumpri-as.

[7] Porque, deveras, adverti a vossos pais, no dia em que os tirei da terra do Egito, até ao dia de hoje, testemunhando desde cedo cada dia, dizendo: dai ouvidos à minha voz.

[8] Mas não atenderam, nem inclinaram o seu ouvido; antes, andaram, cada um, segundo a dureza do seu coração maligno; pelo que fiz cair sobre eles todas as ameaças desta aliança, a qual lhes ordenei que cumprissem, mas não cumpriram.

[9] Disse-me ainda o SENHOR: Uma conspiração se achou entre os homens de Judá, entre os habitantes de Jerusalém.

[3] uthi kubo: Usho kanje uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli: Makaqalekiswe umuntu ongezwa amazwi alesi sivumelwano,

[4]engayala ngawo oyihlo mhla ngibakhipha ezweni laseGibithe, isithando sensimbi, ngokuthi: Zwanini izwi lami, nilenze njengakho konke enginiyala ngakho, nibe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu,

[5] ukuba ngisiqinise isifungo engasifunga koyihlo ukubanika izwe elichichima ubisi nezinyosi -- njenganamuhla. Ngase ngiphendula ngithi: Amen, Jehova.

[6]Wayesethi uJehova kimi: Memeza onke lawa mazwi emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, uthi: Zwanini amazwi alesi sivumelwano, niwenze.

[7] Ngokuba ngibayalile nokubayala oyihlo osukwini engabakhuphula ngalo ezweni laseGibithe kuze kube namuhla, ngibayalile, ngathi: Yizwani izwi lami.

[8] Kepha abalalela, ababekanga izindlebe zabo, kepha bahamba, kwaba yilowo nalowo ngobulukhuni benhliziyo yakhe embi; ngase ngehlisela phezu kwabo onke amazwi alesi sivumelwano engabayala ukuwenza, kepha kabawenzanga.

[9]Wayesethi uJehova kimi: Kufunyenwe uzungu phakathi kwabantu bakwaJuda naphakathi kwabakhileyo eJerusalema.

[10] Tornaram às maldades de seus primeiros pais, que recusaram ouvir as minhas palavras; andaram eles após outros deuses para os servir; a casa de Israel e a casa de Judá violaram a minha aliança, que eu fizera com seus pais.
[11] Portanto, assim diz o SENHOR: Eis que trarei mal sobre eles, de que não poderão escapar; clamarão a mim, porém não os ouvirei.
[12] Então, as cidades de Judá e os habitantes de Jerusalém irão aos deuses a quem eles queimaram incenso e a eles clamarão; porém estes, de nenhuma sorte, os livrarão do tempo do seu mal.

[13] Porque, ó Judá, segundo o número das tuas cidades, são os teus deuses; segundo o número das ruas de Jerusalém, levantaste altares para vergonhosa coisa, isto é, para queimares incenso a Baal.

[14] Tu, pois, não ores por este povo, nem levantes por eles clamor nem oração; porque não os ouvirei quando eles clamarem a mim, por causa do seu mal.

[15] Que direito tem na minha casa a minha amada, ela que cometeu vilezas? Acaso, ó amada, votos e carnes sacrificadas poderão afastar de ti o mal? Então, saltarias de prazer.
[16] O SENHOR te chamou de oliveira verde, formosa por seus deliciosos frutos; mas agora, à voz de grande tumulto, acendeu

[10] Babuyele ebubini bawoyise bokuqala abala ukuzwa amazwi ami, balandela abanye onkulunkulu ukuba babakhonze: indlu ka-Israyeli nendlu kaJuda zisaphulile isivumelwano sami engasenza nawoyise.
[11] Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakwehlisela okubi phezu kwabo abangayikuba nakuphuma kukho; bayakukhala kimi, kepha angiyikubezwa.
[12] Imizi yakwaJuda nabakhileyo eJerusalema bayakukhala konkulunkulu ababashisela impepho, kepha abayikubasindisa neze ngesikhathi sokuhlupheka kwabo.
[13] Ngokuba njengomumo wemizi yakho, banjalo onkulunkulu bakho, Juda, nanjengomumo wezitaladi zaseJerusalema nimisele uBosheti ama-altare, ama-altare okushisela uBali impepho.
[14] Ngalokhu ungabakhulekeli laba bantu, ungabaphakamiseli ukukhala nokuthandaza, ngokuba angiyikubezwa mhla bekhala kimi ngokuhlupheka kwabo.

[15] Othandiweyo wami unani endlini yami lapho enza amacebo nabaningi na? Inyama engcwele ingavela kuwe, lokhu ujabula ngokwenza okubi, na?

[16]UJehova wabiza igama lakho ngokuthi umnqumo oluhlaza obukekayo, onezithelo ezinhle; ngomsindo wesidumo

fogo ao redor dela e consumiu os seus ramos.

[17] Porque o SENHOR dos Exércitos, que te plantou, pronunciou contra ti o mal, pela maldade que a casa de Israel e a casa de Judá para si mesmas fizeram, pois me provocaram à ira, queimando incenso a Baal.

Conspiração contra Jeremias

[18] O SENHOR mo fez saber, e eu o soube; então, me fizeste ver as suas maquinações.

[19] Eu era como manso cordeiro, que é levado ao matadouro; porque eu não sabia que tramavam projetos contra mim, dizendo: Destruamos a árvore com seu fruto; a ele cortemo-lo da terra dos viventes, e não haja mais memória do seu nome.

[20] Mas, ó SENHOR dos Exércitos, justo Juiz, que provas o mais íntimo do coração, veja eu a tua vingança sobre eles; pois a ti revelei a minha causa.

[21] Portanto, assim diz o SENHOR acerca dos homens de Anatote que procuram a tua morte e dizem: Não profetizes em o nome do SENHOR, para que não morras às nossas mãos.

[22] Sim, assim diz o SENHOR dos Exércitos: Eis que eu os punirei; os jovens morrerão à espada, os seus filhos e as suas filhas morrerão de fome.

[23] E não haverá deles resto nenhum, porque farei vir o mal sobre os homens de Anatote, no ano da sua punição.

Jeremias 12

esikhulu uyakuphemba umlilo kuwo, kwaphuke amagatsha awo.

[17] UJehova Sebawoti owakutshala ukhulumile okubi phezu kwakho ngenxa yokubi kwendlu yakwa-Israyeli nokwendlu yakwaJuda abakwenzile ukuba bangicunule ngokushisela uBali impepho.

[18]UJehova wangazisa, ngakwazi; khona wangibonisa izenzo zabo.

[19]Kepha mina nganginjengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni; ngangingazi ukuthi bangicebela amacebo, bethi: Masiwuchithe umuthi kanye nezithelo zawo, simnqume ezweni labaphilayo, igama lakhe lingabe lisakhunjulwa.

[20] Jehova Sebawoti, mahluleli olungileyo, ovivinya izinso nenhliziyo, mangibone ukuphindisela kwakho kubo, ngokuba ngibonakalisile indaba yami kuwe.

[21] Ngalokho usho kanje uJehova ngabantu base-Anathoti abafuna ukuphila kwakho, bathi: Awuyikuprofetha ngegama likaJehova, ukuze ungafi ngesandla sethu;

[22]ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bheka, ngiyakubahambela; izinsizwa ziyakufa ngenkemba; amadodana abo namadodakazi abo ayakufa ngendlala,

[23]nensali ayiyikuba khona kubo, ngokuba ngiyakubehlisela abantu base-Anathoti okubi ngomnyaka wokuhanjelwa kwabo.

UJeremiya 12

A queixa de Jeremias

1 Justo és, ó SENHOR, quando entro contigo num pleito; contudo, falarei contigo dos teus juízos. Por que prospera o caminho dos perversos, e vivem em paz todos os que procedem perfidamente?

2 Plantaste-os, e eles deitaram raízes; crescem, dão fruto; têm-te nos lábios, mas longe do coração.

3 Mas tu, ó SENHOR, me conheces, tu me vês e provas o que sente o meu coração para contigo. Arranca-os como as ovelhas para o matadouro e destina-os para o dia da matança.

4 Até quando estará de luto a terra, e se secará a erva de todo o campo? Por causa da maldade dos que habitam nela, perecem os animais e as aves; porquanto dizem: Ele não verá o nosso fim.

A resposta de Deus

5 Se te fatigas correndo com homens que vão a pé, como poderás competir com os que vão a cavalo? Se em terra de paz não te sentes seguro, que farás na floresta do Jordão?

6 Porque até os teus irmãos e a casa de teu pai, eles próprios procedem perfidamente contigo; eles mesmos te perseguem com fortes gritos. Não te fies deles ainda que te digam coisas boas.

Deus castiga os devastadores do país

7 Desamparei a minha casa, abandonei a minha herança; a que mais eu amava entreguei na mão de seus inimigos.

1 Ulungile wena Jehova, noma ngimelana nawe; ngiyakukhuluma nawe ngokwahlulela: iphumelelani indlela yababi, kungani ukuba babe nokuthula abakhohlisa nokukhohlisa, na?

2 Ubatshalile, futhi bagxilile; bayakhula, bathela izithelo; useduze nomlomo wabo, kepha ukude nezinhliziyo zabo.

3 Kepha wena Jehova uyangazi, uyangibona, uvivinya inhliziyo yami ukuthi injani kuwe; bakhiphe njengezimvu zokuhlatshwa, ubalungisele usuku lokuhlatshwa.

4 Koze kube nini izwe lidabuka, nemifino yonke yasendle ibuna, na? Ngobubi babakhileyo khona izinkomo nezinyoni ziyabhubha, ngokuba bathi: Akayikubona ukugcina kwethu.

5 Uma ugijimile nemigundatshani, yakukhathaza, ungancintisana kanjani namahhashi na? Uma wethemba ezweni lokuthula kuphela, uyakwenze njani ekukhukhumaleni kweJordani na?

6 Ngokuba nabafowenu nendlu kayihlo nabo bakukhohlisile, nabo bamemeza kakhulu emva kwakho; ungabethembi, noma bekhuluma okuhle kuwe.

Ukumenyezelwa kokubhujiswa

7 Ngiyishiyile indlu yami, ngililahlile ifa lami, nginikele othandiweyo womphefumulo wami esandleni sezitha zakhe.

[8] A minha herança tornou-se-me como leão numa floresta; levantou a voz contra mim; por isso, eu a aborreci.

[9] Acaso, é para mim a minha herança ave de rapina de várias cores contra a qual se ajuntam outras aves de rapina? Ide, pois, ajuntai todos os animais do campo, trazei-os para a devorarem.

[10] Muitos pastores destruíram a minha vinha e pisaram o meu quinhão; a porção que era o meu prazer, tornaram-na em deserto.

[11] Em assolação a tornaram, e a mim clama no seu abandono; toda a terra está devastada, porque ninguém há que tome isso a peito.

[12] Sobre todos os altos desnudos do deserto vieram destruidores; porque a espada do SENHOR devora de um a outro extremo da terra; não há paz para ninguém.

[2] Então, feriu Pasur ao profeta Jeremias e o meteu no tronco que estava na porta superior de Benjamim, na Casa do SENHOR. No dia seguinte, Pasur tirou a Jeremias do tronco.

[3] Então, lhe disse Jeremias: O SENHOR já não te chama Pasur, e sim Terror-Por-Todos-Os-Lados.

[4] Pois assim diz o SENHOR: Eis que te farei ser terror para ti mesmo e para todos os teus amigos; estes cairão à espada de seus inimigos, e teus olhos o verão; todo o Judá entregarei nas mãos do rei da Babilônia; este os levará presos à Babilônia e feri-los-á à espada.

[5] Também entregarei toda a riqueza desta cidade, todo o fruto do seu trabalho e todas as suas coisas preciosas; sim, todos os tesouros dos reis de Judá entregarei nas mãos de seus inimigos, os quais hão de saqueá-los, tomá-los e levá-los à Babilônia.

[6] E tu, Pasur, e todos os moradores da tua casa ireis para o cativeiro; irás à Babilônia, onde morrerás e serás sepultado, tu e

UJeremiya 20

[1] UPhashuri indodana ka-Imeri umpristi owayengumbonisi omkhulu endlini kaJehova wamuzwa uJeremiya eprofetha ngalezo zinto.

[2]UPhashuri wamshaya uJeremiya umprofethi, wamfaka esitokisini esasingasesangweni lasenhla lakwaBenjamini elalingasendlini kaJehova.

[3]Kwathi ngakusasa uPhashuri wamkhipha uJeremiya esitokisini. UJeremiya wayesethi kuye: UJehova akabizanga igama lakho ngokuthi uPhashuri kepha uMagori Misabibi.

[4]Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakukwenza ukuba ube luvalo kuwe uqobo nakubo bonke abangane bakho; bayakuwa ngenkemba yezitha zabo, amehlo akho akubone; ngiyakunikela wonke uJuda esandleni senkosi yaseBabele, ibathumbele eBabele, ibabulale ngenkemba.

[5] Futhi ngiyakunikela yonke imfuyo yalo muzi, nayo yonke imisebenzi yawo, nakho konke kwawo okuyigugu, yebo, yonke ingcebo yamakhosi akwaJuda esandleni sezitha zabo, ziyiphange, ziyithathe, ziyiyise eBabele.

[6]Nawe Phashuri nabo bonke abahlala endlini yakho niyakuthunjwa; uyakufika eBabele, kepha uyakufela khona,

todos os teus amigos, aos quais profetizaste falsamente.

O lamento do profeta

7 Persuadiste-me, ó SENHOR, e persuadido fiquei; mais forte foste do que eu e prevaleceste; sirvo de escárnio todo o dia; cada um deles zomba de mim.

8 Porque, sempre que falo, tenho de gritar e clamar: Violência e destruição! Porque a palavra do SENHOR se me tornou um opróbrio e ludíbrio todo o dia.

9 Quando pensei: não me lembrarei dele e já não falarei no seu nome, então, isso me foi no coração como fogo ardente, encerrado nos meus ossos; já desfaleço de sofrer e não posso mais.

10 Porque ouvi a murmuração de muitos: Há terror por todos os lados! Denunciai, e o denunciaremos! Todos os meus íntimos amigos que aguardam de mim que eu tropece dizem: Bem pode ser que se deixe persuadir; então, prevaleceremos contra ele e dele nos vingaremos.

11 Mas o SENHOR está comigo como um poderoso guerreiro; por isso, tropeçarão os meus perseguidores e não prevalecerão; serão sobremodo envergonhados; e, porque não se houveram sabiamente, sofrerão afronta perpétua, que jamais se esquecerá.

12 Tu, pois, ó SENHOR dos Exércitos, que provas o justo e esquadrinhas os afetos e o coração, permite veja eu a tua vingança contra eles, pois te confiei a minha causa.

umbelwe khona, wena nabo bonke abangane bakho oprofethe kubo amanga.

Ukukhala kukaJeremiya

7 Wangiyenga, Jehova, ngayengeka; wawunamandla kunami, wangahlula. Ngibe yinhlekiso usuku lonke, bonke bangiklolodela.

8 Njalo lapho ngikhuluma, ngiyakhala, ngimemeza ngobudlova nokubhubhisa, lokhu izwi likaNkulunkulu lenziwa ihlazo nenhlekiso kimi usuku lonke.

9 Lapho ngithi: Angisayikumkhumbula, ngingasakhulumi egameni lakhe, kusenhliziyweni yami njengomlilo oshisayo, uvalelwe emathanjeni ami; ngikhathele ukubekezela, angikwazi.

10 Ngizwile ukuhleba kwabaningi: Luvalo nxazonke. Mmangalele! Masimmangalele! Bonke abangane bami bayalinda ukuwa kwami. Mhlawumbe angayengwa, simahlule, siziphindisele kuye.

11 Kepha uJehova unami njengeqhawe elesabisayo; ngalokho abangizingelayo bayakukhubeka, bangangahluli; bayakuba namahloni kakhulu, ngokuba abenzanga ngokuhlakanipha, nehlazo labo eliphakade aliyikukhohlakala.

12 Kepha, Jehova Sebawoti, ovivinya olungileyo, obona izinso nenhliziyo, mangibone ukuphindisela kwakho kubo, ngokuba ngikwambulele indaba yami.

[13] Cantai ao SENHOR, louvai ao SENHOR; pois livrou a alma do necessitado das mãos dos malfeitores.

Jeremias amaldiçoa o dia de seu nascimento

[14] Maldito o dia em que nasci! Não seja bendito o dia em que me deu à luz minha mãe!

[15] Maldito o homem que deu as novas a meu pai, dizendo: Nasceu-te um filho!, alegrando-o com isso grandemente.

[16] Seja esse homem como as cidades que o SENHOR, sem ter compaixão, destruiu; ouça ele clamor pela manhã e ao meio-dia, alarido.

[17] Por que não me matou Deus no ventre materno? Por que minha mãe não foi minha sepultura? Ou não permaneceu grávida perpetuamente?

[18] Por que saí do ventre materno tão-somente para ver trabalho e tristeza e para que se consumam de vergonha os meus dias?

[13]Hlabelelani kuJehova, nimdumise uJehova, ngokuba wophula umphefumulo wompofu esandleni sababi.

[14] Maluqalekiswe usuku engazalwa ngalo; usuku umame angizala ngalo malungabusiswa.

[15]Makaqalekiswe umuntu owabika kubaba, ethi: Uzalelwe umntwana wesilisa, emthokozisa nokumthokozisa.

[16] Lowo muntu makabe njengemizi uJehova ayigumbuqela engazisoli, ezwe ukukhala ekuseni nokumemeza ngesikhathi sasemini,

[17]ngokuba akangibulalanga esiswini, umame waze waba yithuna lami, nesisu sakhe saba sikhulelwe njalo.

[18]Ngaphumelani esiswini ukuba ngibone umshikashika nosizi, ukuze izinsuku zami ziphele ngamahloni na?

Jeremias 21

Predita a destruição de Jerusalém por Nabucodonosor

[1] Palavra que veio a Jeremias da parte do SENHOR, quando o rei Zedequias lhe enviou Pasur, filho de Malquias, e o sacerdote Sofonias, filho de Maaséias, dizendo:

[2] Pergunta agora por nós ao SENHOR, por que Nabucodonosor, rei da Babilônia, guerreia contra nós; bem pode ser que o SENHOR nos trate segundo todas as suas maravilhas e o faça retirar-se de nós.

UJeremiya 21

Ukuxwayiswa kwenkosi uSedekiya

[1]Izwi elafika kuJeremiya, livela kuJehova, ekuthumeni kwenkosi uSedekiya uPhashuri indodana kaMalikhiya noZefaniya indodana kaMahaseya, umpristi, kuye ethi:

[2] Ake usibuzele kuJehova, ngokuba uNebukadinesari inkosi yaseBabele usihlasele; mhlawumbe uJehova angenza kithi njengazo zonke izimangaliso zakhe ukuba akhuphuke, asuke kithi.

[3] Então, Jeremias lhes disse: Assim direis a Zedequias:

[4] Assim diz o SENHOR, o Deus de Israel: Eis que farei retroceder as armas de guerra que estão nas vossas mãos, com que vós pelejais fora dos muros contra o rei da Babilônia e contra os caldeus, que vos oprimem; tais armas, eu as ajuntarei no meio desta cidade.

[5] Pelejarei eu mesmo contra vós outros com braço estendido e mão poderosa, com ira, com indignação e grande furor.

[6] Ferirei os habitantes desta cidade, tanto os homens como os animais; de grande pestilência morrerão.

[7] Depois disto, diz o SENHOR, entregarei Zedequias, rei de Judá, e seus servos, e o povo, e quantos desta cidade restarem da pestilência, da espada e da fome na mão de Nabucodonosor, rei da Babilônia, na de seus inimigos e na dos que procuram tirar-lhes a vida; feri-los-á a fio de espada; não os poupará, não se compadecerá, nem terá misericórdia.

[8] A este povo dirás: Assim diz o SENHOR: Eis que ponho diante de vós o caminho da vida e o caminho da morte.

[9] O que ficar nesta cidade há de morrer à espada, ou à fome, ou de peste; mas o que sair e render-se aos caldeus, que vos cercam, viverá, e a vida lhe será como despojo.

[3]UJeremiya wathi kubo: Niyakusho kanje kuSedekiya, nithi:

[4]Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakubuyisa izikhali zokulwa ezisezandleni zenu, enilwa ngazo nenkosi yaseBabele namaKaledi anivimbezelayo ngaphandle kogange, ngizibuthe phakathi nalo muzi.

[5]Mina ngiyakulwa nani ngesandla eseluliweyo, nangengalo enamandla, nangentukuthelo, nangokufutheka, nangolaka olukhulu.

[6]Ngiyakubashaya abakhileyo kulo muzi, abantu nezilwane; bayakufa ngesifo esikhulu.

[7]Ngasemuva, usho uJehova, ngiyakunikela uSedekiya inkosi yakwaJuda, nezinceku zakhe, nabantu abasele kulo muzi esifweni, nasenkembeni, nasendlaleni, nasesandleni sikaNebukadinesari inkosi yaseBabele, nasesandleni sezitha zabo, nasesandleni sabafuna ukuphila kwabo, abashaye ngosiko lwenkemba, angabasindisi, angabahawukeli, angabi namusa kubo.

[8] Uyakusho kulaba bantu, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngibeka phambi kwakho indlela yokuphila nendlela yokufa.

[9] Osala kulo muzi uyakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo, kepha ophumayo, aye kumaKaledi anivimbezelayo, uyakuphila, ukuphila kwakhe kube yimpango yakhe.

[10] Pois voltei o rosto contra esta cidade, para mal e não para bem, diz o SENHOR; ela será entregue nas mãos do rei da Babilônia, e este a queimará.
[11] À casa do rei de Judá dirás: Ouvi a palavra do SENHOR!
[12] Ó casa de Davi, assim diz o SENHOR: Julgai pela manhã justamente e livrai o oprimido das mãos do opressor; para que não seja o meu furor como fogo e se acenda, sem que haja quem o apague, por causa da maldade das vossas ações.
[13] Eis que eu sou contra ti, ó Moradora do vale, ó Rocha da campina, diz o SENHOR; contra vós outros que dizeis: Quem descerá contra nós? Ou: Quem entrará nas nossas moradas?
[14] Castigar-vos-ei segundo o fruto das vossas ações, diz o SENHOR; acenderei fogo na cidade, qual bosque, o qual devorará todos os seus arredores.

Jeremias 22

Profecia contra a casa real de Judá

[1] Assim diz o SENHOR: Desce à casa do rei de Judá, e anuncia ali esta palavra,

[2] e dize: Ouve a palavra do SENHOR, ó rei de Judá, que te assentas no trono de Davi, tu, os teus servos e o teu povo, que entrais por estas portas.

[3] Assim diz o SENHOR: Executai o direito e a justiça e livrai o oprimido das mãos do opressor; não oprimais ao estrangeiro, nem ao órfão, nem à viúva; não façais

[10]Ngokuba ngibhekise ubuso bami kulo muzi kube kubi, kungabi kuhle, usho uJehova; uyakunikelwa esandleni senkosi yaseBabele, iwushise ngomlilo.
[11] Yisho endlini yenkosi yakwaJuda, uthi: Zwanini izwi likaJehova lokuthi:
[12] O, ndlu kaDavide, usho kanje uJehova, uthi: Yenzani izahlulelo ekuseni, nophule ophangiweyo esandleni somcindezeli, funa ukufutheka kwami kuphume njengomlilo, kushise, kuze kungabikho owucimayo ngenxa yobubi bezenzo zenu.
[13] Bheka, ngimelene nawe, wena owakhileyo esigodini, wena litshe lasethafeni, usho uJehova, nina enithi: Ngubani oyakusehlela, ngubani oyakungena ezindlini zethu, na?
[14] Ngiyakunihambela njengezithelo zezenzo zenu, usho uJehova, ngiphembe umlilo ehlathini labo, uqede konke okungakhona.

UJeremiya 22

Iziprofetho ngamakhosi akwaJuda

[1]Usho kanje uJehova, uthi: Yehlela endlini yenkosi yakwaJuda, ukhulume khona leli zwi,

[2] uthi: Yizwa izwi likaJehova, nkosi yakwaJuda, ohlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide, wena nezinceku zakho nabantu bakho abangena ngalawa masango.

[3] Usho kanje uJehova, uthi: Yenzani izahlulelo nokulunga, nophule ophangiweyo esandleni somcindezeli, ningoni, ningadluzuli abafokazi,

violência, nem derrameis sangue inocente neste lugar.

[4] Porque, se, deveras, cumprirdes esta palavra, entrarão pelas portas desta casa os reis que se assentarão no trono de Davi, em carros e montados em cavalos, eles, os seus servos e o seu povo.

[5] Mas, se não derdes ouvidos a estas palavras, juro por mim mesmo, diz o SENHOR, que esta casa se tornará em desolação.

[6] Porque assim diz o SENHOR acerca da casa do rei de Judá: Tu és para mim Gileade e a cabeça do Líbano; mas certamente farei de ti um deserto e cidades desabitadas.

[7] Designarei contra ti destruidores, cada um com as suas armas; cortarão os teus cedros escolhidos e lançá-los-ão no fogo.

[8] Muitas nações passarão por esta cidade, e dirá cada um ao seu companheiro: Por que procedeu o SENHOR assim com esta grande cidade?

[9] Então, se lhes responderá: Porque deixaram a aliança do SENHOR, seu Deus, e adoraram a outros deuses, e os serviram.

Contra Salum, rei de Judá

[10] Não choreis o morto, nem o lastimeis; chorai amargamente aquele que sai; porque nunca mais tornará, nem verá a terra onde nasceu.

[11] Porque assim diz o SENHOR acerca de Salum, filho de Josias, rei de Judá, que

nezintandane, nabafelokazi, ningachithi igazi elingenacala kule ndawo.

[4] Ngokuba uma nenza lokhu impela, kuyakungena ngamasango ale ndlu amakhosi ahlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide, ekhwele izinqola namahhashi, wona nezinceku zawo nabantu bawo.

[5]Kepha uma ningalaleli lawa mazwi, ngiyazifunga, usho uJehova, ukuthi le ndlu iyakuba yincithakalo.

[6]Ngokuba usho kanje uJehova ngendlu yenkosi yakwaJuda, uthi: UyiGileyadi kimi, nekhanda laseLebanoni; impela ngiyakukwenza ube yihlane nemizi engahlalwa muntu.

[7]Ngiyakukulungisela abachithi, yilowo nalowo abe nezikhali zakhe, bagawule imisedari yakho ekhethekileyo, bayiphonse emlilweni.

[8] Izizwe eziningi ziyakudlula kulo muzi, zisho, kube yileso naleso kwesinye, ukuthi: UJehova wenzeleni okunje kulo muzi omkhulu na?

[9]Bayakuthi: Ngokuba basishiya isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wabo, bakhuleka kwabanye onkulunkulu, babakhonza.

[10]Ningakhaleli ofileyo, ningamlileli, kepha nimkhalele nokumkhalela omukayo, ngokuba akasayikubuya, kasayikubona izwe lokuzalwa kwakhe.

[11] Ngokuba usho kanje uJehova ngoShalumi indodana kaJosiya, inkosi

reinou em lugar de Josias, seu pai, e que saiu deste lugar: Jamais tornará para ali.

[12] Mas no lugar para onde o levaram cativo morrerá e nunca mais verá esta terra.

Contra Jeoaquim, rei de Judá

[13] Ai daquele que edifica a sua casa com injustiça e os seus aposentos, sem direito! Que se vale do serviço do seu próximo, sem paga, e não lhe dá o salário;

[14] que diz: Edificarei para mim casa espaçosa e largos aposentos, e lhe abre janelas, e forra-a de cedros, e a pinta de vermelhão.

[15] Reinarás tu, só porque rivalizas com outro em cedro? Acaso, teu pai não comeu, e bebeu, e não exercitou o juízo e a justiça? Por isso, tudo lhe sucedeu bem.

[16] Julgou a causa do aflito e do necessitado; por isso, tudo lhe ia bem. Porventura, não é isso conhecer-me? – diz o SENHOR.

[17] Mas os teus olhos e o teu coração não atentam senão para a tua ganância, e para derramar o sangue inocente, e para levar a efeito a violência e a extorsão.

[18] Portanto, assim diz o SENHOR acerca de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá: Não o lamentarão, dizendo: Ai, meu irmão! Ou: Ai, minha irmã! Nem o lamentarão, dizendo: Ai, senhor! Ou: Ai, sua glória!

yakwaJuda, owaba yinkosi esikhundleni sikaJosiya uyise, waphuma kule ndawo, ukuthi: Akasayikubuyela lapha,

[12]kepha uyakufela kuleyo ndawo lapho bemthumbele khona; naleli zwe kasayikulibona.

[13] Wo koyakha indlu yakhe ngokungalungi, namakamelo akhe ngokungafanele, osebenzisa umakhelwane wakhe engamholeli, angamniki lutho ngomsebenzi wakhe,

[14]othi: Ngiyakuzakhela indlu enkulu namakamelo abanzi, ayibhobozele amafasitele, bese yembeswa ngemisedari, ibhecwe ngebomvu!

[15] Uyinkosi ngokuba ushisekela imisedari na? Angithi uyihlo wadla, waphuza, wenza ukwahlulela nokulunga, kwaba kuhle kuye, na?

[16]Wahlulela abaswelayo nabampofu, kwaba kuhle; angithi lokhu kungukungazi mina na? usho uJehova.

[17] Amehlo akho nenhliziyo yakho kusekuphangeni kuphela, nasekuchitheni igazi elingenacala, nasekucindezeleni, nasekudloveni ukuba ukwenze.

[18]Ngalokho usho kanje uJehova ngoJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, uthi: Abayikumkhalela ngokuthi: Hhawu, mfowethu, noma, hhawu, dadewethu! futhi bangamkhaleli ngokuthi: Hhawu, nkosi, noma, hhawu, bukhosi bakhe!

[19] Como se sepulta um jumento, assim o sepultarão; arrastá-lo-ão e o lançarão para bem longe, para fora das portas de Jerusalém.

[20] Sobe ao Líbano, ó Jerusalém, e clama; ergue a voz em Basã e clama desde Abarim, porque estão esmagados todos os teus amantes.

[21] Falei contigo na tua prosperidade, mas tu disseste: Não ouvirei. Tem sido este o teu caminho, desde a tua mocidade, pois nunca deste ouvidos à minha voz.

[22] O vento apascentará todos os teus pastores, e os teus amantes irão para o cativeiro; então, certamente ficarás envergonhada e confundida, por causa de toda a tua maldade.

[23] Ó tu que habitas no Líbano e fazes o teu ninho nos cedros! Como gemerás quando te vierem as dores e as angústias como da que está de parto!

Contra Jeconias, rei de Judá

[24] Tão certo como eu vivo, diz o SENHOR, ainda que Jeconias, filho de Jeoaquim, rei de Judá, fosse o anel do selo da minha mão direita, eu dali o arrancaria.

[25] Entregar-te-ei, ó rei, nas mãos dos que procuram tirar-te a vida e nas mãos daqueles a quem temes, a saber, nas mãos de Nabucodonosor, rei da Babilônia, e nas mãos dos caldeus.

[26] Lançar-te-ei a ti e a tua mãe, que te deu à luz, para outra terra, em que não nasceste; e ali morrereis.

[19] Uyakumbelwa ngokumbelwa kwembongolo, ahudulwe alahlwe ngale kwamasango aseJerusalema.

[20] Khuphukela eLebanoni, ukhale; phakamisa izwi lakho eBashani, ukhale use-Abarimi, ngokuba zonke izithandwa zakho zibulewe.

[21]Ngakhuluma kuwe usenenhlanhla, kepha wathi: Angizwa. Lokhu kuyindlela yakho kwasebusheni bakho ukuthi awulizwa izwi lami.

[22]Umoya uyakubalusa bonke abelusi bakho, nezithandwa zakho ziyakuthunjwa; impela uyakuba namahloni, ujabhe ngabo bonke ububi bakho.

[23]Wena ohlala eLebanoni, owakha isidleke sakho kuyo imisedari, uyakuhawukelwa kangakanani ngokufikelwa kwakho yimihelo, imihelo enjengeyobelethayo!

[24] Kuphila kwami, usho uJehova, noma uKhoniya indodana kaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, ebe yindandatho esandleni sami sokunene, nokho bengiyakukuhluthula khona,

[25] ngikunikele esandleni sabafuna ukuphila kwakho nasesandleni salabo obesabayo, ngithi esandleni sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele, nasesandleni samaKaledi.

[26]Ngiyakukuzwibela kwelinye izwe, wena nonyoko owakuzalayo, lapho ningazalelwanga khona; niyakufela khona.

[27] Mas à terra da qual eles têm saudades, a ela não tornarão.

[28] Acaso, é este Jeconias homem vil, coisa quebrada ou objeto de que ninguém se agrada? Por que foram lançados fora, ele e os seus filhos, e arrojados para a terra que não conhecem?

[29] Ó terra, terra, terra! Ouve a palavra do SENHOR!

[30] Assim diz o SENHOR: Registrai este como se não tivera filhos; homem que não prosperará nos seus dias, e nenhum dos seus filhos prosperará, para se assentar no trono de Davi e ainda reinar em Judá.

[27]Kepha abayikubuyela ezweni abalangazelela ukubuyela kulo.

[28]Lo muntu uKhoniya uyisitsha esidelelweyo nesaphukileyo na? Uyindebe okungekho kuyo intokozo na? Uzwitshelweni yena nenzalo yakhe, balahlelwa ezweni abangalaziyo, na?

[29]Lizwe, lizwe, lizwe, yizwa izwi likaJehova.

[30]Usho kanje uJehova, uthi: Lobani lo muntu ukuthi akanamntwana, umuntu ongayikuba nampumelelo ezinsukwini zakhe, ngokuba umuntu ohlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide akayikuba nampumelelo yokuba abe esabusa kwaJuda.

Jeremias 23

Profecia contra os maus pastores

[1] Ai dos pastores que destroem e dispersam as ovelhas do meu pasto! – diz o SENHOR.

[2] Portanto, assim diz o SENHOR, o Deus de Israel, contra os pastores que apascentam o meu povo: Vós dispersastes as minhas ovelhas, e as afugentastes, e delas não cuidastes; mas eu cuidarei em vos castigar a maldade das vossas ações, diz o SENHOR.

[3] Eu mesmo recolherei o restante das minhas ovelhas, de todas as terras para onde as tiver afugentado, e as farei voltar aos seus apriscos; serão fecundas e se multiplicarão.

[4] Levantarei sobre elas pastores que as apascentem, e elas jamais temerão, nem se

UJeremiya 23

Ukufika kwenkosi elungileyo

[1] Wo kubo abelusi abachitha, bazihlakaze izimvu zedlelo lami! usho uJehova.

[2]Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngabelusi abelusa abantu bami, uthi: Nihlakazile izimvu zami, nazixosha, anizihambelanga. Bhekani, ngiyakuhambela ububi bezenzo zenu kini, usho uJehova.

[3] Ngiyakubutha insali yezimvu zami emazweni onke, lapho ngiyixoshele khona, ngiyibuyisele ezibayeni zayo; iyakuchuma, yande.

[4] Ngiyakumisa phezu kwayo abelusi abayakuyalusa; ayisayikwesaba,

espantarão; nem uma delas faltará, diz o SENHOR.

ayiyikuphela amandla, ayisayikujeziswa, usho uJehova.

Profecia sobre o Renovo de Davi
Jeremias 33.14-16

5 Eis que vêm dias, diz o SENHOR, em que levantarei a Davi um Renovo justo; e, rei que é, reinará, e agirá sabiamente, e executará o juízo e a justiça na terra.

5 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakumisela uDavide iHlumela elilungileyo; liyakubusa njengenkosi, libe nokuhlakanipha, lenze ukwahlulela nokulunga ezweni.

6 Nos seus dias, Judá será salvo, e Israel habitará seguro; será este o seu nome, com que será chamado: SENHOR, Justiça Nossa.

6 Ezinsukwini zalo uJuda uyakusindiswa, u-Israyeli ahlale elondekile; nanti igama eliyakubizwa ngalo lokuthi: UJEHOVA UNGUKULUNGA KWETHU.

7 Portanto, eis que vêm dias, diz o SENHOR, em que nunca mais dirão: Tão certo como vive o SENHOR, que fez subir os filhos de Israel da terra do Egito;

7 Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, abangasayikusho ngazo ukuthi: Kuphila kukaJehova owabakhuphula abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe,

8 mas: Tão certo como vive o SENHOR, que fez subir, que trouxe a descendência da casa de Israel da terra do Norte e de todas as terras para onde os tinha arrojado; e habitarão na sua terra.

8kepha ukuthi: Kuphila kukaJehova owayikhuphula, wayihola inzalo yendlu ka-Israyeli ezweni lasenyakatho nasemazweni onke lapho ngangibaxoshele khona. Iyakwakha ezweni lakubo.

Contra os falsos profetas

9 Acerca dos profetas. O meu coração está quebrantado dentro de mim; todos os meus ossos estremecem; sou como homem embriagado e como homem vencido pelo vinho, por causa do SENHOR e por causa das suas santas palavras.

Abaprofethi bamanga

9Ngabaprofethi. Inhliziyo yami yaphukile phakathi kwami, amathambo onke ami ayathuthumela; nginjengomuntu odakiweyo, njengomuntu owahlulwe yiwayini ngenxa kaJehova nangenxa yamazwi akhe angcwele.

10 Porque a terra está cheia de adúlteros e chora por causa da maldição divina; os pastos do deserto se secam; pois a carreira dos adúlteros é má, e a sua força não é reta.

10 Ngokuba izwe ligcwele iziphingi; izwe liyadabuka ngenxa yesiqalekiso; amadlelo asehlane omile. Ukuhamba kwabo kubi, namandla abo awalungile.

[11] Pois estão contaminados, tanto o profeta como o sacerdote; até na minha casa achei a sua maldade, diz o SENHOR.

[12] Portanto, o caminho deles será como lugares escorregadios na escuridão; serão empurrados e cairão nele; porque trarei sobre eles calamidade, o ano mesmo em que os castigarei, diz o SENHOR.

[13] Nos profetas de Samaria bem vi eu loucura; profetizavam da parte de Baal e faziam errar o meu povo de Israel.

[14] Mas nos profetas de Jerusalém vejo coisa horrenda; cometem adultérios, andam com falsidade e fortalecem as mãos dos malfeitores, para que não se convertam cada um da sua maldade; todos eles se tornaram para mim como Sodoma, e os moradores de Jerusalém, como Gomorra.

[15] Portanto, assim diz o SENHOR dos Exércitos acerca dos profetas: Eis que os alimentarei com absinto e lhes darei a beber água venenosa; porque dos profetas de Jerusalém se derramou a impiedade sobre toda a terra.

[16] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Não deis ouvidos às palavras dos profetas que entre vós profetizam e vos enchem de vãs esperanças; falam as visões do seu coração, não o que vem da boca do SENHOR.

[17] Dizem continuamente aos que me desprezam: O SENHOR disse: Paz tereis; e a qualquer que anda segundo a dureza do

[11] Ngokuba nabaprofethi nabapristi abanaNkulunkulu; nasendlini ngifumene okubi kwabo, usho uJehova.

[12] Ngalokho indlela yabo iyakuba yizindawo ezibushelelezi; bayakusunduzwa ebumnyameni, bawe kubo, ngokuba ngiyakubehlisela okubi ngomnyaka wokuhanjelwa kwabo, usho uJehova.

[13] Kubaprofethi baseSamariya ngibonile ubuwula: baprofetha ngoBali, bedukisa abantu bami u-Israyeli.

[14] Nakubaprofethi baseJerusalema ngibonile okwesabekayo: bayaphinga, bahamba ngamanga, baqinisa izandla zababi, ukuze kungabuyi muntu ebubini bakhe; bonke banjengeSodoma kimi, nabakhileyo kulo banjengeGomora.

[15] Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti ngabaprofethi, uthi: Bheka, ngiyakubanika ukuba badle umhlonyane, baphuze amanzi enyongo, ngokuba ukungabi naNkulunkulu kuphume kubaprofethi, kwaya ezweni lonke.

[16] Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ningawalaleli amazwi abaprofethi abaprofetha kini; banifundisa okuyize, bakhuluma umbono wenhliziyo yabo, kungengokuvela emlonyeni kaJehova.

[17] Bazinge bethi kwabangidelelayo: UJehova ukhulumile uthi: Niyakuba nokuthula. Kubo bonke abahamba

seu coração dizem: Não virá mal sobre vós.

[18] Porque quem esteve no conselho do SENHOR, e viu, e ouviu a sua palavra? Quem esteve atento à sua palavra e a ela atendeu?

[19] Eis a tempestade do SENHOR! O furor saiu, e um redemoinho tempestuou sobre a cabeça dos perversos.

[20] Não se desviará a ira do SENHOR, até que ele execute e cumpra os desígnios do seu coração; nos últimos dias, entendereis isso claramente.

[21] Não mandei esses profetas; todavia, eles foram correndo; não lhes falei a eles; contudo, profetizaram.

[22] Mas, se tivessem estado no meu conselho, então, teriam feito ouvir as minhas palavras ao meu povo e o teriam feito voltar do seu mau caminho e da maldade das suas ações.

[23] Acaso, sou Deus apenas de perto, diz o SENHOR, e não também de longe?

[24] Ocultar-se-ia alguém em esconderijos, de modo que eu não o veja? – diz o SENHOR; porventura, não encho eu os céus e a terra? – diz o SENHOR.

[25] Tenho ouvido o que dizem aqueles profetas, proclamando mentiras em meu nome, dizendo: Sonhei, sonhei.

[26] Até quando sucederá isso no coração dos profetas que proclamam mentiras, que

ngenkani yenhliziyo yabo bathi: Aniyikwehlelwa ngokubi.

[18] Ngokuba ngubani owake wema emkhandlwini kaJehova ukuba abone, ezwe izwi lakhe na? Ngubani oqaphele izwi lakhe, walizwa, na?

[19] Bheka, isivunguvungu sikaJehova esinokufutheka siphumile; isivunguvungu esiyisikhwishikhwishi sehlele phezu kwamakhanda ababi.

[20]Intukuthelo kaJehova ayiyikubuya aze enze, aze afeze umgomo wenhliziyo yakhe; ezinsukwini ezizayo niyakukuqonda nokukuqonda.

[21] Mina angibathumanga abaprofethi, nokho bagijima; bengingakhulumile kubo, nokho baprofetha.

[22]Uma bebemi emkhandlwini wami, nga bezwisile abantu bami amazwi ami, bababuyise endleleni yabo embi, nasebubini bezenzo zabo.

[23] NginguNkulunkulu eduze yini, usho uJehova, ngingesiye uNkulunkulu kude na?

[24] Ukhona ongacasha ezindaweni ezisithekileyo ukuze ngingamboni na? usho uJehova. Angithi ngiyagcwalisa izulu nomhlaba na? usho uJehova.

[25] Ngizwile ukuthi bathini abaprofethi abaprofetha amanga egameni lami, bethi: Ngiphuphile, ngiphuphile.

[26]Lokhu koze kube nini ezinhliziyweni zabaprofethi abaprofetha amanga,

proclamam só o engano do próprio coração?

[27] Os quais cuidam em fazer que o meu povo se esqueça do meu nome pelos seus sonhos que cada um conta ao seu companheiro, assim como seus pais se esqueceram do meu nome, por causa de Baal.

[28] O profeta que tem sonho conte-o como apenas sonho; mas aquele em quem está a minha palavra fale a minha palavra com verdade. Que tem a palha com o trigo? – diz o SENHOR.

[29] Não é a minha palavra fogo, diz o SENHOR, e martelo que esmiúça a penha?

[30] Portanto, eis que eu sou contra esses profetas, diz o SENHOR, que furtam as minhas palavras, cada um ao seu companheiro.

[31] Eis que eu sou contra esses profetas, diz o SENHOR, que pregam a sua própria palavra e afirmam: Ele disse.

[32] Eis que eu sou contra os que profetizam sonhos mentirosos, diz o SENHOR, e os contam, e com as suas mentiras e leviandades fazem errar o meu povo; pois eu não os enviei, nem lhes dei ordem; e também proveito nenhum trouxeram a este povo, diz o SENHOR.

[33] Quando, pois, este povo te perguntar, ou qualquer profeta, ou sacerdote, dizendo: Qual é a sentença pesada do SENHOR? Então, lhe dirás: Vós sois o peso, e eu vos arrojarei, diz o SENHOR.

bengabaprofethi benkohliso yenhliziyo yabo,

[27] abacabanga ukwenza ukuba abantu bami bakhohlwe igama lami ngamaphupho abo abawalandisa, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe, njengalokho oyise bakhohlwa igama lami ngenxa kaBali, na?

[28]Umprofethi onephupho makalilandise iphupho, kepha onezwi lami makalikhulume izwi lami ngeqiniso. Amakhoba ayini kukolweni na? usho uJehova.

[29] Izwi lami alinjengomlilo yini, usho uJehova, nanjengesando esaphula itshe na?

[30] Ngalokho bheka, ngimelene nabaprofethi, usho uJehova, abeba amazwi ami, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe.

[31]Bheka, ngimelene nabaprofethi, usho uJehova, abasebenzisa izilimi zabo, bathi: Uthi yena.

[32] Bheka, ngimelene nabaprofetha amaphupho amanga, usho uJehova, bawalandise, badukise abantu bami ngamanga abo nangokuwawaza kwabo; mina-ke angibathumanga nokho, angibayalanga, futhi abasizanga laba bantu, usho uJehova.

[33] Nxa laba bantu, noma umprofethi, noma umpristi, bekubuza bethi: Iyini indaba kaJehova? uyakubatshela ukuthi: Yinina eniyindaba, nokuthi: Ngiyakunilahla, usho uJehova.

[34] Quanto ao profeta, e ao sacerdote, e ao povo que disser: Sentença pesada do SENHOR, a esse homem eu castigarei e a sua casa.

[35] Antes, direis, cada um ao seu companheiro e cada um ao seu irmão: Que respondeu o SENHOR? Que falou o SENHOR?

[36] Mas nunca mais fareis menção da sentença pesada do SENHOR; porque a cada um lhe servirá de sentença pesada a sua própria palavra; pois torceis as palavras do Deus vivo, do SENHOR dos Exércitos, o nosso Deus.

[37] Assim dirás ao profeta: Que te respondeu o SENHOR? Que falou o SENHOR?

[38] Mas, porque dizeis: Sentença pesada do SENHOR, assim o diz o SENHOR: Porque dizeis esta palavra: Sentença pesada do SENHOR (havendo-vos eu proibido de dizerdes esta palavra: Sentença pesada do SENHOR),

[39] por isso, levantar-vos-ei e vos arrojarei da minha presença, a vós outros e à cidade que vos dei e a vossos pais.

[40] Porei sobre vós perpétuo opróbrio e eterna vergonha, que jamais será esquecida.

Jeremias 24

A visão dos dois cestos de figos

[1] Fez-me ver o SENHOR, e vi dois cestos de figos postos diante do templo do

[34]Nomprofethi-ke, nompristi, nabantu abayakusho ukuthi: Indaba kaJehova, ngiyakuhambela lowo muntu nendlu yakhe.

[35]Niyakusho kanje, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe, kube yilowo nalowo kumfowabo, nithi: UJehova uphendule wathini? nokuthi: UJehova ukhulumeni?

[36]Indaba kaJehova anisayikuyikhumbula, ngokuba izwi lalowo nalowo muntu liyakuba yindaba yakhe, lokhu niwahlanekezele amazwi kaNkulunkulu ophilayo, uJehova Sebawoti, uNkulunkulu wethu.

[37]Uyakusho kanje kumprofethi, uthi: UJehova ukuphendule wathini? nokuthi: UJehova ukhulumeni?

[38]Kepha uma nithi: Indaba kaJehova, khona uJehova usho kanje, uthi: Ngenxa yokuba nithi leli zwi lokuthi indaba kaJehova, noma mina ngathumela kini, ngathi: Aniyikuthi: Indaba kaJehova,

[39]ngalokho ngiyakuniphakamisa nokuniphakamisa, nginilahle ebusweni bami, nina nomuzi enganinika wona, nina nawoyihlo,

[40] nginehlisele ihlazo eliphakade namahloni emiyo njalo okungayikukhohlakala.

UJeremiya 24

Amaqoma amabili amakhiwane

[1] UJehova wangibonisa amaqoma amabili amakhiwane ebekwe phambi

SENHOR, depois que Nabucodonosor, rei da Babilônia, levou em cativeiro a Jeconias, filho de Jeoaquim, rei de Judá, e os príncipes de Judá, e os artífices, e os ferreiros de Jerusalém e os trouxe à Babilônia.

kwethempeli likaJehova, uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, esethumbile uJekoniya indodana kaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, nezikhulu zakwaJuda, nezinyanga zomsebenzi, nabakhandi, wabasusa eJerusalema, wabayisa eBabele.

2 Tinha um cesto figos muito bons, como os figos temporãos; mas o outro, ruins, que, de ruins que eram, não se podiam comer.

2Elinye iqoma lalinamakhiwane amahle kakhulu, enjengamakhiwane ayingqalabutho; elinye iqoma lalinamakhiwane amabi kakhulu, engenakudliwa ngobubi bawo.

3 Então, me perguntou o SENHOR: Que vês tu, Jeremias? Respondi: Figos; os figos muito bons e os muito ruins, que, de ruins que são, não se podem comer.

3Wayesethi uJehova kimi: Ubonani, Jeremiya, na? Ngathi: Amakhiwane; amahle, ngamahle kakhulu, namabi ngamabi kakhulu, enganakudliwa ngobubi bawo.

4 A mim me veio a palavra do SENHOR, dizendo:

4Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

5 Assim diz o SENHOR, o Deus de Israel: Do modo por que vejo estes bons figos, assim favorecerei os exilados de Judá, que eu enviei deste lugar para a terra dos caldeus.

5 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Njengalawa makhiwane amahle ngiyakubheka kanjalo abathunjiweyo bakwaJuda, engibamukisile kule ndawo baya ezweni lamaKaledi, kube kuhle.

6 Porei sobre eles favoravelmente os olhos e os farei voltar para esta terra; edificá-los-ei e não os destruirei, plantá-los-ei e não os arrancarei.

6 Ngiyakuwabhekisa amehlo ami kubo, kube kuhle, ngibabuyisele kuleli zwe, ngibakhe ngingabadilizi, ngibatshale ngingabasiphuli.

7 Dar-lhes-ei coração para que me conheçam que eu sou o SENHOR; eles serão o meu povo, e eu serei o seu Deus; porque se voltarão para mim de todo o seu coração.

7 Ngiyakubanika inhliziyo yokungazi ukuthi ngingu Jehova; bayakuba ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo, ngokuba bayakubuyela kimi ngenhliziyo yabo yonke.

[8] Como se rejeitam os figos ruins, que, de ruins que são, não se podem comer, assim tratarei a Zedequias, rei de Judá, diz o SENHOR, e a seus príncipes, e ao restante de Jerusalém, tanto aos que ficaram nesta terra como aos que habitam na terra do Egito.

[9] Eu os farei objeto de espanto, calamidade para todos os reinos da terra; opróbrio e provérbio, escárnio e maldição em todos os lugares para onde os arrojarei.

[10] Enviarei contra eles a espada, a fome e a peste, até que se consumam de sobre a terra que lhes dei, a eles e a seus pais.

Jeremias 25

Setenta anos de cativeiro

[1] Palavra que veio a Jeremias acerca de todo o povo de Judá, no ano quarto de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá, ano que era o primeiro de Nabucodonosor, rei da Babilônia,

[2] a qual anunciou Jeremias, o profeta, a todo o povo de Judá e a todos os habitantes de Jerusalém, dizendo:

[3] Durante vinte e três anos, desde o décimo terceiro de Josias, filho de Amom, rei de Judá, até hoje, tem vindo a mim a palavra do SENHOR, e, começando de madrugada, eu vo-la tenho anunciado; mas vós não escutastes.

[4] Também, começando de madrugada, vos enviou o SENHOR todos os seus servos, os

[8] Kepha njengamakhiwane amabi engenakudliwa ngobubi bawo, impela kanjalo, usho kanje uJehova, ngiyakwenza kuSedekiya inkosi yakwaJuda, nasezikhulwini zakhe, nakuyo insali yaseJerusalema, abasele kuleli zwe nabakhile ezweni laseGibithe.

[9] Ngiyakubenza babe yingebhe nokubi emibusweni yonke yomhlaba, babe yihlazo nesaga, isifenqo nesiqalekiso ezindaweni zonke engiyakubaxoshela kuzo.

[10]Ngiyakuthuma kubo inkemba, nendlala, nesifo, baze baphele ezweni engalinika bona nawoyise.

UJeremiya 25

Isiprofetho ngokunqoba kukaNebukadinesari

[1] Izwi elafika kuJeremiya ngabantu bonke bakwaJuda ngomnyaka wesine kaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, ongumnyaka wokuqala kaNebukadinesari, inkosi yaseBabele,

[2]alikhulumayo uJeremiya umprofethi kubo bonke abantu bakwaJuda nakubo bonke abakhileyo eJerusalema, ethi:

[3] Kusukela emnyakeni weshumi nantathu kaJosiya indodana ka-Amoni, inkosi yakwaJuda, kuze kube namuhla, le minyaka engamashumi amabili nantathu izwi likaJehova lifikile kimi, ngalikhuluma, ngilisho kini njalonjalo, kepha kanilalelanga.

[4] UJehova uthumile kini zonke izinceku zakhe abaprofethi, ebathuma njalonjalo,

profetas, mas vós não os escutastes, nem inclinastes os ouvidos para ouvir,

5 quando diziam: Convertei-vos agora, cada um do seu mau caminho e da maldade das suas ações, e habitai na terra que o SENHOR vos deu e a vossos pais, desde os tempos antigos e para sempre.

6 Não andeis após outros deuses para os servirdes e para os adorardes, nem me provoqueis à ira com as obras de vossas mãos; não vos farei mal algum.

7 Todavia, não me destes ouvidos, diz o SENHOR, mas me provocastes à ira com as obras de vossas mãos, para o vosso próprio mal.

8 Portanto, assim diz o SENHOR dos Exércitos: Visto que não escutastes as minhas palavras,

9 eis que mandarei buscar todas as tribos do Norte, diz o SENHOR, como também a Nabucodonosor, rei da Babilônia, meu servo, e os trarei contra esta terra, contra os seus moradores e contra todas estas nações em redor, e os destruirei totalmente, e os porei por objeto de espanto, e de assobio, e de ruínas perpétuas.

10 Farei cessar entre eles a voz de folguedo e a de alegria, e a voz do noivo, e a da noiva, e o som das mós, e a luz do candeeiro.

11 Toda esta terra virá a ser um deserto e um espanto; estas nações servirão ao rei da Babilônia setenta anos.

kepha anilalelanga, anibekanga indlebe ukuba nizwe

5lapho kwathiwa: Ake nibuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, nasebubini bezenzo zenu, nihlale ezweni uJehova alinike nina nawoyihlo, kusukela phakade kuze kube phakade,

6 ningalandeli abanye onkulunkulu ukuba nibakhonze, nikhuleke kubo, ningangicunuli ngemisebenzi yezandla zenu; khona angiyikunenzela okubi.

7 Kepha aningilalelanga, usho uJehova, naze nangicunula ngemisebenzi yezandla zenu, kwaba kubi kini.

8Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngenxa yokuba ningawalalelanga amazwi ami,

9 bheka, ngiyakuthumela, ngilande yonke imindeni yasenyakatho, usho uJehova, noNebukadinesari, inkosi yaseBabele, inceku yami, ngibehlisele phezu kwaleli zwe nabakhileyo kulo, naphezu kwazo zonke lezi zizwe nxazonke, ngibaqalekise, ngibenze babe yisimangaliso nento encimfelwayo, nencithakalo ephakade.

10 Futhi ngiyakususa kubo izwi lokujabula nezwi lokuthokoza, izwi lomyeni nezwi lomakoti, nomsindo wamatshe okugaya nokukhanya kwesibani.

11Izwe lonke leli liyakuba yincithakalo nesimangaliso, nalezi zizwe ziyakuyikhonza inkosi yaseBabele iminyaka engamashumi ayisikhombisa.

[12] Acontecerá, porém, que, quando se cumprirem os setenta anos, castigarei a iniqüidade do rei da Babilônia e a desta nação, diz o SENHOR, como também a da terra dos caldeus; farei deles ruínas perpétuas.

[13] Farei que se cumpram sobre aquela terra todas as minhas ameaças que proferi contra ela, tudo quanto está escrito neste livro, que profetizou Jeremias contra todas as nações.

[14] Porque também eles serão escravos de muitas nações e de grandes reis; assim, lhes retribuirei segundo os seus feitos e segundo as obras das suas mãos.

O cálice da ira de Deus contra as nações

[15] Porque assim me disse o SENHOR, o Deus de Israel: Toma da minha mão este cálice do vinho do meu furor e darás a beber dele a todas as nações às quais eu te enviar.

[16] Para que bebam, e tremam, e enlouqueçam, por causa da espada que eu enviarei para o meio delas.

[17] Recebi o cálice da mão do SENHOR e dei a beber a todas as nações às quais o SENHOR me tinha enviado:

[18] a Jerusalém, às cidades de Judá, aos seus reis e aos seus príncipes, para fazer deles uma ruína, objeto de espanto, de assobio e maldição, como hoje se vê;

[19] a Faraó, rei do Egito, a seus servos, a seus príncipes e a todo o seu povo;

[12] Kuyakuthi lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa isigcwalisekile, ngihambele inkosi yaseBabele nesizwe leso, usho uJehova, ngobubi babo, kanye nezwe lamaKaledi, ngilenze libe yincithakalo ephakade.

[13]Ngiyakwehlisela phezu kwalelo zwe onke amazwi ami engiwakhulume phezu kwalo, konke okulotshwe kule ncwadi, uJeremiya akuprofethile ngazo zonke izizwe.

[14]Ngokuba bayakukhonziswa nabo yizizwe eziningi nangamakhosi amakhulu, ngiphindise kubo ngezenzo zabo nangemisebenzi yezandla zabo.

[15] Ngokuba washo kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli kimi, wathi: Thatha le ndebe yewayini lokufutheka esandleni sami, uphuzise kuyo zonke izizwe engikuthuma kuzo.

[16]Ziyakuphuza, zintengantenge, zihlanye ngaphambi kwenkemba engiyakuyithuma phakathi kwazo.

[17]Ngase ngiyithatha indebe esandleni sikaJehova, ngaziphuzisa zonke izizwe uJehova angithuma kuzo:

[18]iJerusalema nemizi yakwaJuda, namakhosi alo, nezikhulu zalo, ukuba ngikwenze kube yincithakalo, nesimangaliso, nento encimfelwayo, nesiqalekiso njenganamuhla;

[19]kanye noFaro inkosi yaseGibithe, nezinceku zakhe, nezikhulu zakhe, nabantu bakhe bonke,

[20] a todo misto de gente, a todos os reis da terra de Uz, a todos os reis da terra dos filisteus, a Asquelom, a Gaza, a Ecrom e ao resto de Asdode;

[21] a Edom, a Moabe e aos filhos de Amom;

[22] a todos os reis de Tiro, a todos os reis de Sidom e aos reis das terras dalém do mar;

[23] a Dedã, a Tema, a Buz e a todos os que cortam os cabelos nas têmporas;

[24] a todos os reis da Arábia e todos os reis do misto de gente que habita no deserto;

[25] a todos os reis de Zinri, a todos os reis de Elão e a todos os reis da Média;

[26] a todos os reis do Norte, os de perto e os de longe, um após outro, e a todos os reinos do mundo sobre a face da terra; e, depois de todos eles, ao rei da Babilônia.

[27] Pois lhes dirás: Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Bebei, embebedai-vos e vomitai; caí e não torneis a levantar-vos, por causa da espada que estou enviando para o vosso meio.

[28] Se recusarem receber o cálice da tua mão para beber, então, lhes dirás: Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Tereis de bebê-lo.

[29] Pois eis que na cidade que se chama pelo meu nome começo a castigar; e

[20] nayo yonke ingxubevange yabantu; onke amakhosi ase-Uzi, nawo onke amakhosi asezweni lamaFilisti e-Ashikeloni, naseGaza, nase-Ekroni, nensali yase-Ashidodi;

[21] o-Edomi, noMowabi, nabantwana bakwa-Amoni,

[22] nawo onke amakhosi aseTire, nawo onke amakhosi aseSidoni, namakhosi aseziqhingini ezingaphesheya kolwandle;

[23]iDedani, neThema, neBuzi, nabo bonke abadilingiwe emaceleni amakhanda abo,

[24]nawo onke amakhosi ase-Arabiya, nawo onke amakhosi engxubevange yabantu ehlala ehlane,

[25]nawo onke amakhosi aseZimri, nawo onke amakhosi ase-Elamu, nawo onke amakhosi aseMediya,

[26]nawo onke amakhosi asenyakatho, akude naseduze, yileyo naleyo, nayo yonke imibuso yezwe esebusweni bomhlaba; nenkosi yaseSheshaki iyakuphuza emva kwabo.

[27] Uyakusho kubo ukuthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Phuzani, nidakwe, nihlanze, niwe, ningabe nisasukuma ngenxa yenkemba engiyakuyithuma phakathi kwenu.

[28]Kuyakuthi lapho bala ukuthatha indebe esandleni sakho ukuba bayiphuze, usho kubo ukuthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Impela niyakuphuza.

[29]Ngokuba bheka, ngiyaqala ukwenza okubi emzini obizwe ngegama lami; nina

ficareis vós de todo impunes? Não, não ficareis impunes, porque eu chamo a espada sobre todos os moradores da terra, diz o SENHOR dos Exércitos.

30 Tu, pois, lhes profetizarás todas estas palavras e lhes dirás: O SENHOR lá do alto rugirá e da sua santa morada fará ouvir a sua voz; rugirá fortemente contra a sua malhada, com brados contra todos os moradores da terra, como o eia! dos que pisam as uvas.

31 Chegará o estrondo até à extremidade da terra, porque o SENHOR tem contenda com as nações, entrará em juízo contra toda carne; os perversos entregará à espada, diz o SENHOR.

32 Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Eis que o mal passa de nação para nação, e grande tormenta se levanta dos confins da terra.

33 Os que o SENHOR entregar à morte naquele dia se estenderão de uma a outra extremidade da terra; não serão pranteados, nem recolhidos, nem sepultados; serão como esterco sobre a face da terra.

34 Uivai, pastores, e clamai; revolvei-vos na cinza, vós, donos dos rebanhos, porque já se cumpriram os vossos dias de matardes e dispersardes, e vós mesmos caireis como jarros preciosos.

35 Não haverá refúgio para os pastores, nem salvamento para os donos dos rebanhos.

beniyakuba ngabangenacala na? Aniyikuba ngabangenacala, ngokuba ngiyakubiza bonke abakhileyo emhlabeni beze enkembeni, usho uJehova Sebawoti.

30 Manje, profetha kubo onke lawa mazwi, uthi kubo: UJehova uyakuduma ephezulu, aliphumise izwi lakhe esendaweni yakhe engcwele; uyakuduma nokuduma phezu kwekhaya lakhe, amemeze njengabanyathela iwayini kubo bonke abakhileyo emhlabeni.

31Umsindo uyakufinyelela emkhawulweni womhlaba, ngokuba uJehova uyamelana nezizwe; uyahlulela inyama yonke, kepha ababi uyakubanikela enkembeni, usho uJehova.

32Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bheka, okubi kuyaphuma kwesinye isizwe kuye kwesinye, nesivunguvungu siyavuswa emikhawulweni yomhlaba.

33 Ngalolo suku ababuleweyo bakaJehova bayakusukela komunye umkhawulo womhlaba, baze bafike komunye; abayikukhalelwa, abayikubuthwa, abayikumbelwa, bayakuba ngumquba ebusweni bomhlaba.

34Hhewulani nina belusi, nikhale, nihuquzele emlotheni nina zikhulu zomhlambi, ngokuba seziphelele izinsuku zenu zokuba nihlatshwe, nginihlakaze, niwe njengesitsha esihle.

35Abelusi abayikuba nandawo ukubalekela kuyo, izikhulu zomhlambi zingabi nasiphephelo.

[36] Eis o grito dos pastores, o uivo dos donos dos rebanhos! Porque o SENHOR está destruindo o pasto deles.
[37] Porque as suas malhadas pacíficas serão devastadas, por causa do brasume da ira do SENHOR.

[38] Saiu da sua morada como o filho de leão; porque a terra deles foi posta em ruínas, por causa do furor da espada e por causa do brasume da ira do SENHOR.

[36]Yizwi lokukhala kwabelusi, nokuhhewula kwezikhulu zomhlambi, ngokuba uJehova uyachitha idlelo labo,
[37]nezibaya ezithuleyo ziqediwe ngenxa yokufutheka kolaka oluvuthayo lukaJehova.
[38]Uwushiyile umphandu wakhe njengengonyama, ngokuba izwe labo seliyincithakalo ngenxa yokufutheka kwenkemba ecindezelayo nangenxa yokufutheka kolaka lwalo.

Jeremias 26

Jeremias ameaçado de morte

[1] No princípio do reinado de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá, veio esta palavra do SENHOR:
[2] Assim diz o SENHOR: Põe-te no átrio da Casa do SENHOR e dize a todas as cidades de Judá, que vêm adorar à Casa do SENHOR, todas as palavras que eu te mando lhes digas; não omitas nem uma palavra sequer.

[3] Bem pode ser que ouçam e se convertam, cada um do seu mau caminho; então, me arrependerei do mal que intento fazer-lhes por causa da maldade das suas ações.

[4] Dize-lhes, pois: Assim diz o SENHOR: Se não me derdes ouvidos para andardes na minha lei, que pus diante de vós,

[5] para que ouvísseis as palavras dos meus servos, os profetas, que, começando de madrugada, vos envio, posto que até aqui não me ouvistes,

UJeremiya 26

Isiprofetho ngokuchithwa kwethempeli

[1]Ekuqaleni kokubusa kukaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kwafika leli zwi livela kuJehova, lathi:

[2] Usho kanje uJehova, uthi: Yima egcekeni lendlu kaJehova, ukhulume kuyo yonke imizi yakwaJuda efika ukukhuleka endlini kaJehova onke amazwi engikuyala ukuwakhuluma kubo, ungagodli zwi.

[3] Mhlawumbe bayakulalela, baphenduke, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, ngibuye kukho okubi ebengicabanga ukukwenza kubo ngenxa yobubi bezenzo zabo.
[4]Uyakuthi kubo: Usho kanje uJehova, uthi: Uma ningangilaleli ukuba nihambe emthethweni wami engiwubeke phambi kobuso benu,
[5]niwalalele amazwi ezinceku zami abaprofethi engibathumile kini, ngibathuma njalonjalo, nina ningalalelanga,

[6] então, farei que esta casa seja como Siló e farei desta cidade maldição para todas as nações da terra.

[7] Os sacerdotes, os profetas e todo o povo ouviram a Jeremias, quando proferia estas palavras na Casa do SENHOR.

[8] Tendo Jeremias acabado de falar tudo quanto o SENHOR lhe havia ordenado que dissesse a todo o povo, lançaram mão dele os sacerdotes, os profetas e todo o povo, dizendo: Serás morto.

[9] Por que profetizas em nome do SENHOR, dizendo: Será como Siló esta casa, e esta cidade, desolada e sem habitantes? E ajuntou-se todo o povo contra Jeremias, na Casa do SENHOR.

[10] Tendo os príncipes de Judá ouvido estas palavras, subiram da casa do rei à Casa do SENHOR e se assentaram à entrada da Porta Nova da Casa do SENHOR.

[11] Então, os sacerdotes e os profetas falaram aos príncipes e a todo o povo, dizendo: Este homem é réu de morte, porque profetizou contra esta cidade, como ouvistes com os vossos próprios ouvidos.

[12] Falou Jeremias a todos os príncipes e a todo o povo, dizendo: O SENHOR me enviou a profetizar contra esta casa e contra esta cidade todas as palavras que ouvistes.

[13] Agora, pois, emendai os vossos caminhos e as vossas ações e ouvi a voz do

[6] ngiyakwenza le ndlu ibe njengeShilo, nalo muzi ngiyakuwenza ube yisiqalekiso ezizweni zonke zomhlaba.

[7]Abapristi, nabaprofethi, nabo bonke abantu bezwa uJeremiya ekhuluma lawo mazwi endlini kaJehova.

[8]Kwathi lapho uJeremiya eseqedile ukukhuluma konke uJehova amyale ngakho ukuba akukhulume kubo bonke abantu, abapristi, nabaprofethi, nabantu bonke, bambamba, bathi: Uyakufa nokufa.

[9]Uprofetheleni egameni likaJehova ukuthi: Le ndlu iyakuba njengeShilo, nalo muzi uyakuchithwa kungabe kusaba khona owuhlalayo, na? Bonke abantu babebuthene kuJeremiya endlini kaJehova.

[10]Izikhulu zakwaJuda zazizwa lezo zinto, zakhuphuka endlini yenkosi, zaya endlini kaJehova, zahlala esikhaleni sesango elisha lendlu kaJehova.

[11] Base bethi abapristi nabaprofethi ezikhulwini nakubo bonke abantu, bathi: Lo muntu ufanele ukufa, ngokuba uprofethile ngalo muzi, njengalokho nizwile ngezindlebe zenu.

[12]Wayesesho uJeremiya kuzo zonke izikhulu nakubo bonke abantu, ethi: UJehova wangithuma ukuprofetha ngale ndlu nangalo muzi onke amazwi eniwezwileyo.

[13] Ngalokho lungisani izindlela zenu nezenzo zenu, nilalele izwi likaJehova

SENHOR, vosso Deus; então, se arrependerá o SENHOR do mal que falou contra vós outros.

[14] Quanto a mim, eis que estou nas vossas mãos; fazei de mim o que for bom e reto segundo vos parecer.

[15] Sabei, porém, com certeza que, se me matardes a mim, trareis sangue inocente sobre vós, sobre esta cidade e sobre os seus moradores; porque, na verdade, o SENHOR me enviou a vós outros, para me ouvirdes dizer-vos estas palavras.

[19] grande em conselho e magnífico em obras; porque os teus olhos estão abertos sobre todos os caminhos dos filhos dos homens, para dar a cada um segundo o seu proceder, segundo o fruto das suas obras.

[20] Tu puseste sinais e maravilhas na terra do Egito até ao dia de hoje, tanto em Israel como entre outros homens; e te fizeste um nome, qual o que tens neste dia.

[13] Ngamyala uBaruki phambi kwabo, ngathi:

[14]Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Thatha lezi zincwadi, le ncwadi yokuthenga enamathelisiweyo nale ncwadi evulekileyo, uzifake ezitsheni zebumba ukuba zihlale izinsuku eziningi.

[15]Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Kuyakubuye kuthengwe izindlu namasimu nezivini kuleli zwe.

[16] Sengiyinike uBaruki indodana kaNeriya incwadi yokuthenga ngakhuleka kuJehova, ngathi:

[17] E, Nkosi Jehova, bheka, wena wenzile izulu nomhlaba ngamandla akho amakhulu nangengalo yakho eyeluliweyo; akukho lutho olukwahlulayo

[18] wena owenza umusa kubo abayizinkulungwane, ophindisela ububi bawoyise esifubeni sabantwana babo emva kwabo, ogama lakho linguNkulunkulu omkhulu oyiqhawe, uJehova Sebawoti,

[19] omkhulu emaswini, onamandla ezenzweni, omehlo akho avulekele zonke izindlela zabantu ukuba unike, kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe nanjengezithelo zemisebenzi yakhe;

[20]owamisa izibonakaliso nezimangaliso ezweni laseGibithe kuze kube namuhla nakwa-Israyeli naphakathi kwabanye abantu, wazenzela igama njenganamuhla,

[21] Tiraste o teu povo de Israel da terra do Egito, com sinais e maravilhas, com mão poderosa e braço estendido e com grande espanto;

[22] e lhe deste esta terra, que com juramento prometeste a seus pais, terra que mana leite e mel.

[23] Entraram nela e dela tomaram posse, mas não obedeceram à tua voz, nem andaram na tua lei; de tudo o que lhes mandaste que fizessem, nada fizeram; pelo que trouxeste sobre eles todo este mal.

[24] Eis aqui as trincheiras já atingem a cidade, para ser tomada; já está a cidade entregue nas mãos dos caldeus, que pelejam contra ela, pela espada, pela fome e pela peste. O que disseste aconteceu; e tu mesmo o vês.

[25] Contudo, ó SENHOR Deus, tu me disseste: Compra o campo por dinheiro e chama testemunhas, embora já esteja a cidade entregue nas mãos dos caldeus.

A resposta de Deus

[26] Então, veio a palavra do SENHOR a Jeremias, dizendo:

[27] Eis que eu sou o SENHOR, o Deus de todos os viventes; acaso, haveria coisa demasiadamente maravilhosa para mim?

[28] Portanto, assim diz o SENHOR: Eis que entrego esta cidade nas mãos dos caldeus, nas mãos de Nabucodonosor, rei da Babilônia, e ele a tomará.

[29] Os caldeus, que pelejam contra esta cidade, entrarão nela, porão fogo a esta

[21]wabakhipha abantu bakho u-Israyeli ezweni laseGibithe ngezibonakaliso nangezimangaliso, nangesandla esinamandla, nangengalo eyeluliweyo, nangengebhe enkulu,

[22] wabanika leli zwe, njengalokho afunga koyise ukubanika lona, izwe elichichima ubisi nezinyosi;

[23]bangena balidla, kepha kabalilalelanga izwi lakho, abahambanga emthethweni wakho, abenzanga lutho lwakho konke owabayala ngakho ukuba bakwenze; ngalokho ubehlisele konke lokhu okubi.

[24] Bheka, amaduli asefike emzini ukuba umuzi uthathwe; ngenxa yenkemba nendlala nesifo umuzi unikelwe esandleni samaKaledi alwa nawo; kwenzekile owakukhulumayo; bheka, usuyakubona.

[25]Wena Nkosi Jehova, noma umuzi unikelwe esandleni samaKaledi, washo kimi, wathi: Zithengele insimu ngemali, uzifakazisele.

[26]Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya, lithi:

[27] Bheka, nginguJehova uNkulunkulu wenyama yonke, kukhona okungahlulayo na?

[28]Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakuwunikela lo muzi esandleni samaKaledi nasesandleni sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele, awuthathe.

[29] AmaKaledi alwa nalo muzi ayakufika, awuthungele lo muzi ngomlilo, awushise

cidade e queimarão as casas sobre cujos terraços queimaram incenso a Baal e ofereceram libações a outros deuses, para me provocarem à ira.

[30] Porque os filhos de Israel e os filhos de Judá não fizeram senão mal perante mim, desde a sua mocidade; porque os filhos de Israel não fizeram senão provocar-me à ira com as obras das suas mãos, diz o SENHOR.

[31] Porque para minha ira e para meu furor me tem sido esta cidade, desde o dia em que a edificaram e até ao dia de hoje, para que eu a removesse da minha presença,

[32] por causa de toda a maldade que fizeram os filhos de Israel e os filhos de Judá, para me provocarem à ira, eles, os seus reis, os seus príncipes, os seus sacerdotes e os seus profetas, como também os homens de Judá e os moradores de Jerusalém.

[33] Viraram-me as costas e não o rosto; ainda que eu, começando de madrugada, os ensinava, eles não deram ouvidos, para receberem a advertência.

[34] Antes, puseram as suas abominações na casa que se chama pelo meu nome, para a profanarem.

[35] Edificaram os altos de Baal, que estão no vale do filho de Hinom, para queimarem a seus filhos e a suas filhas a Moloque, o que nunca lhes ordenei, nem

kanye nalezo zindlu abashisele uBali impepho phezu kwezimpahla zazo, bathululela abanye onkulunkulu iminikelo yokuphuzwa ukuba bangicunule.

[30] Ngokuba abantwana bakwa-Israyeli nabantwana bakwaJuda benzile okubi kuphela emehlweni ami kwasebuntwaneni babo, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bangicunulile kuphela ngemisebenzi yezandla zabo, usho uJehova.

[31]Ngokuba lo muzi uvuse intukuthelo yami nokufutheka kwami, kusukela osukwini abawakha ngalo kuze kube namuhla, ukuba ngiwususe ebusweni bami,

[32] ngenxa yakho konke okubi kwabantwana bakwa-Israyeli nabantwana bakwaJuda abakwenzileyo ukuba bangicunule, bona namakhosi abo, nezikhulu zabo, nabapristi babo, nabaprofethi babo, namadoda akwaJuda, nabakhileyo eJerusalema.

[33]Bangifulathele, abangibhekanga; noma ngabafundisa ngibaxwayisa njalonjalo, abalalelanga ukuba bamukele ukulaywa.

[34] Kepha bazibeka izinengiso zabo endlini ebizwa ngegama lami ukuba bayingcolise.

[35]Bazakha izindawo eziphakemeyo zikaBali ezisesigodini sendodana kaHinomu ukuba badabulise amadodana abo namadodakazi abo emlilweni

me passou pela mente fizessem tal abominação, para fazerem pecar a Judá.

kuMoloki, engingabayalanga ngakho, nokungangenanga enhliziyweni ukuthi bayakusenza lesi sinengiso ukuze bamonise uJuda.

36 Agora, pois, assim diz o SENHOR, o Deus de Israel, acerca desta cidade, da qual vós dizeis: Já está entregue nas mãos do rei da Babilônia, pela espada, pela fome e pela peste.

36 Ngalokho manje usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngalo muzi enithi ngawo: Unikelwe esandleni senkosi yaseBabele ngenkemba, nangendlala, nangesifo, uthi:

37 Eis que eu os congregarei de todas as terras, para onde os lancei na minha ira, no meu furor e na minha grande indignação; tornarei a trazê-los a este lugar e farei que nele habitem seguramente.

37 Bheka, ngiyakubabutha emazweni onke lapho ngibaxoshele khona ngentukuthelo yami, nangokufutheka kwami, nangolaka olukhulu, ngibabuyisele kule ndawo, ngibenze ukuba bahlale belondekile,

38 Eles serão o meu povo, e eu serei o seu Deus.

38 babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo,

39 Dar-lhes-ei um só coração e um só caminho, para que me temam todos os dias, para seu bem e bem de seus filhos.

39 ngibanike inhliziyonye nendlelanye ukuba bangesabe zonke izinsuku, kube kuhle kubo nakubantwana babo emva kwabo.

40 Farei com eles aliança eterna, segundo a qual não deixarei de lhes fazer o bem; e porei o meu temor no seu coração, para que nunca se apartem de mim.

40 Ngiyakwenza nabo isivumelwano esiphakade, ukuze ngingabuyi ekubalandeleni, ngibenzele okuhle, ngibeke ezinhliziyweni zabo ukungesaba, ukuze bangasuki kimi.

41 Alegrar-me-ei por causa deles e lhes farei bem; plantá-los-ei firmemente nesta terra, de todo o meu coração e de toda a minha alma.

41 Ngiyakuthokoza ngabo, ngibenzele okuhle, ngibatshale ngeqiniso kuleli zwe ngayo yonke inhliziyo yami nangawo wonke umphefumulo wami.

42 Porque assim diz o SENHOR: Assim como fiz vir sobre este povo todo este grande mal, assim lhes trarei todo o bem que lhes estou prometendo.

42 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Njengalokhu ngehlisele phezu kwalaba bantu konke lokhu okubi, kanjalo ngiyakubehlisela konke okuhle engikukhulume kubo.

[43] Comprar-se-ão campos nesta terra, da qual vós dizeis: Está deserta, sem homens nem animais; está entregue nas mãos dos caldeus.

[44] Comprarão campos por dinheiro, e lavrarão as escrituras, e as fecharão com selos, e chamarão testemunhas na terra de Benjamim, nos contornos de Jerusalém, nas cidades de Judá, nas cidades da região montanhosa, nas cidades das planícies e nas cidades do Sul; porque lhes restaurarei a sorte, diz o SENHOR.

[43]Amasimu ayakuthengwa kuleli zwe enisho ngalo ukuthi liyincithakalo, lapho kungekho muntu nazilwane khona, nokuthi linikelwe esandleni samaKaledi.

[44]Amasimu ayakuthengwa ngemali, kulotshwe encwadini, kunamatheliswe, kufakazelwe ngofakazi ezweni lakwaBenjamini, nasemaphethelweni aseJerusalema, nasemizini yakwaJuda, nasemizini yasezintabeni, nasemizini yasehlanzeni, nasemizini yaseningizimu, ngokuba ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kwabo, usho uJehova.

Jeremias 33

Promessas de paz e prosperidade

[1] Veio a palavra do SENHOR a Jeremias, segunda vez, estando ele ainda encarcerado no pátio da guarda, dizendo:

[2] Assim diz o SENHOR que faz estas coisas, o SENHOR que as forma para as estabelecer (SENHOR é o seu nome):

[3] Invoca-me, e te responderei; anunciar-te-ei coisas grandes e ocultas, que não sabes.

[4] Porque assim diz o SENHOR, o Deus de Israel, a respeito das casas desta cidade e das casas dos reis de Judá, que foram derribadas para a defesa contra as trincheiras e a espada:

[5] Quando se der a peleja contra os caldeus, para que eu as encha de cadáveres de homens, feridos por minha ira e meu furor, porquanto desta cidade escondi o meu rosto, por causa de toda a sua maldade,

UJeremiya 33

Izithembiso zokubuyiswa kukaJuda no-Israyeli

[1] Izwi likaJehova lafika kuJeremiya ngokwesibili, esavalelwe egcekeni letilongo, lathi:

[2] Usho kanje uJehova okwenzayo, uJehova okubumbayo ukuba akuqinise, nguJehova igama lakhe, uthi:

[3] Ngibize, ngiyakukuphendula, ngikutshele izinto ezinkulu nezifihlekileyo ongazaziyo.

[4] Ngokuba usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngezindlu zalo muzi nangezindlu zamakhosi akwaJuda ezidilizelwe ukuzivikela kuwo amaduli nenkemba, uthi:

[5] Bafika ukulwa namaKaledi, bazigcwalisa ngezidumbu zabantu engibabulele ngentukuthelo yami nangokufutheka kwami, nengifihlele lo muzi ubuso bami ngenxa yabo bonke ububi babo.

[6] eis que lhe trarei a ela saúde e cura e os sararei; e lhes revelarei abundância de paz e segurança.

[7] Restaurarei a sorte de Judá e de Israel e os edificarei como no princípio.

[8] Purificá-los-ei de toda a sua iniqüidade com que pecaram contra mim; e perdoarei todas as suas iniqüidades com que pecaram e transgrediram contra mim.

[9] Jerusalém me servirá por nome, por louvor e glória, entre todas as nações da terra que ouvirem todo o bem que eu lhe faço; espantar-se-ão e tremerão por causa de todo o bem e por causa de toda a paz que eu lhe dou.

[10] Assim diz o SENHOR: Neste lugar, que vós dizeis que está deserto, sem homens nem animais, nas cidades de Judá e nas ruas de Jerusalém, que estão assoladas, sem homens, sem moradores e sem animais, ainda se ouvirá

[11] a voz de júbilo e de alegria, e a voz de noivo, e a de noiva, e a voz dos que cantam: Rendei graças ao SENHOR dos Exércitos, porque ele é bom, porque a sua misericórdia dura para sempre; e dos que trazem ofertas de ações de graças à Casa do SENHOR; porque restaurarei a sorte da terra como no princípio, diz o SENHOR.

[12] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Ainda neste lugar, que está deserto, sem homens e sem animais, e em todas as suas

[6] Bheka, ngiyakuwulethela impilo nokuphulukiswa, ngibelaphe, ngibambulele ukuthula nokulondeka okuningi.

[7] Ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kukaJuda nokuthunjwa kuka-Israyeli, ngibakhe njengakuqala.

[8] Ngiyakubahlambulula kubo bonke ububi babo abone ngabo kimi, ngithethelele zonke izono zabo abone ngazo kimi nabaphambuke kimi ngazo.

[9]Umuzi uyakuba yigama lokujabula kimi, nelodumo, nelendumiso ngaphambi kwezizwe zonke zomhlaba eziyakuzwa konke okuhle engibenzela khona, zesabe, zithuthumele ngakho konke okuhle nangakho konke ukuthula engiwenzela khona.

[10] Usho kanje uJehova, uthi: Kuyakubuye kuzwakale kule ndawo enithi ngayo ichithekile, ayinamuntu nazilwane, nasemizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema ezichithekileyo ezingenamuntu nazilwane,

[11] izwi lokujabula nezwi lokuthokoza, izwi lomyeni nezwi lomakoti, izwi labathi: Bongani uJehova Sebawoti, ngokuba uJehova muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade, nelabaletha iminikelo yokubonga endlini kaJehova. Ngokuba ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kwezwe njengakuqala, usho uJehova.

[12] Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Kuyakubuye kube khona kule ndawo echithekileyo, engenamuntu nazilwane,

cidades, haverá morada de pastores que façam repousar aos seus rebanhos.

nakuyo yonke imizi yayo ikhaya labelusi abenza ukuba izimvu zabo zibuthise.

13 Nas cidades da região montanhosa, e nas cidades das planícies, e nas cidades do Sul, na terra de Benjamim, e nos contornos de Jerusalém, e nas cidades de Judá, ainda passarão os rebanhos pelas mãos de quem os conte, diz o SENHOR.

13 Emizini yasezintabeni, nasemizini yasehlanzeni, nasemizini yaseningizimu, nasezweni lakwaBenjamini, nasemaphethelweni aseJerusalema, nasemizini yakwaJuda izimvu ziyakubuye zidlule phansi kwezandla zozibalayo, usho uJehova.

Repetição da promessa do Renovo de Davi
Jeremias 23.5-6

14 Eis que vêm dias, diz o SENHOR, em que cumprirei a boa palavra que proferi à casa de Israel e à casa de Judá.

14 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, engiyakuliqinisa ngazo izwi elihle engilikhulume ngendlu ka-Israyeli nangendlu kaJuda.

15 Naqueles dias e naquele tempo, farei brotar a Davi um Renovo de justiça; ele executará juízo e justiça na terra.

15 Ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi ngiyakuhlumisela uDavide iHlumela Lokulunga; liyakwenza ukwahlulela nokulunga emhlabeni.

16 Naqueles dias, Judá será salvo e Jerusalém habitará seguramente; ela será chamada SENHOR, Justiça Nossa.

16Ngalezo zinsuku uJuda uyakusindiswa, neJerusalema liyakuhlala lilondekile; yileli gama eliyakubizwa ngalo, elithi: UJEHOVA UNGUKULUNGA KWETHU.

17 Porque assim diz o SENHOR: Nunca faltará a Davi homem que se assente no trono da casa de Israel;

17 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Akuyikunqunywa kuDavide umuntu oyakuhlala esihlalweni sobukhosi sendlu ka-Israyeli,

18 nem aos sacerdotes levitas faltará homem diante de mim, para que ofereça holocausto, queime oferta de manjares e faça sacrifício todos os dias.

18kunganqunywa futhi kubapristi amaLevi umuntu phambi kwami oyakunikela ngeminikelo yokushiswa, ashise iminikelo yempuphu, anikele ngemihlatshelo izinsuku zonke.

19 Veio a palavra do SENHOR a Jeremias, dizendo:

19Izwi likaJehova lafika kuJeremiya, lathi:

20 Assim diz o SENHOR: Se puderdes invalidar a minha aliança com o dia e a

20 Usho kanje uJehova, uthi: Uma naphula isivumelwano sami semini

minha aliança com a noite, de tal modo que não haja nem dia nem noite a seu tempo,

[21] poder-se-á também invalidar a minha aliança com Davi, meu servo, para que não tenha filho que reine no seu trono; como também com os levitas sacerdotes, meus ministros.

[22] Como não se pode contar o exército dos céus, nem medir-se a areia do mar, assim tornarei incontável a descendência de Davi, meu servo, e os levitas que ministram diante de mim.

[23] Veio ainda a palavra do SENHOR a Jeremias, dizendo:

[24] Não atentas para o que diz este povo: As duas famílias que o SENHOR elegeu, agora as rejeitou? Assim desprezam a meu povo, que a seus olhos já não é povo.

[25] Assim diz o SENHOR: Se a minha aliança com o dia e com a noite não permanecer, e eu não mantiver as leis fixas dos céus e da terra,

[26] também rejeitarei a descendência de Jacó e de Davi, meu servo, de modo que não tome da sua descendência quem domine sobre a descendência de Abraão, Isaque e Jacó; porque lhes restaurarei a sorte e deles me apiedarei.

Jeremias 34

Prediz-se a sorte de Zedequias

[1] Palavra que do SENHOR veio a Jeremias, quando Nabucodonosor, rei da Babilônia, e todo o seu exército, e todos os reinos da

nesivumelwano sami sobusuku, kuze kungabikho imini nobusuku ngesikhathi sakho,

[21]khona isivumelwano sami noDavide inceku yami siyakwaphulwa ukuze angabi nandodana yokubusa esihlalweni sakhe sobukhosi, kanye namaLevi abapristi, izikhonzi zami.

[22] Njengebandla lasezulwini lingenakubalwa, nesihlabathi solwandle singenakulinganiswa, kanjalo ngiyakwandisa inzalo kaDavide inceku yami namaLevi angikhonzayo.

[23]Izwi likaJehova labuye lafika kuJeremiya, lathi:

[24] Awunakanga yini abakukhulumileyo laba bantu, bethi: Imindeni yomibili ayikhethayo uyilahlile na? Base bebadelela abantu bami, baze bangabe besaba yisizwe ngaphambi kwabo.

[25]Usho kanje uJehova, uthi: Uma isivumelwano sami semini nesobusuku singemi, ngingamisanga izimiso zezulu nomhlaba,

[26]ngiyakulahla inzalo kaJakobe nekaDavide inceku yami, ukuze ngingathathi enzalweni yakhe ababusi benzalo ka-Abrahama, neka-Isaka, nekaJakobe, ngokuba ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kwabo, ngibahawukele.

UJeremiya 34

UJeremiya uyamxwayisa uSedekiya

[1] Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lapho uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, nayo yonke impi yakhe, nayo

terra que estavam debaixo do seu poder, e todos os povos pelejavam contra Jerusalém e contra todas as suas cidades, dizendo:

2 Assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Vai, fala a Zedequias, rei de Judá, e dize-lhe: Assim diz o SENHOR: Eis que eu entrego esta cidade nas mãos do rei da Babilônia, o qual a queimará.

3 Tu não lhe escaparás das mãos; pelo contrário, serás preso e entregue nas suas mãos; tu verás o rei da Babilônia face a face, e ele te falará boca a boca, e entrarás na Babilônia.

4 Todavia, ouve a palavra do SENHOR, ó Zedequias, rei de Judá: Assim diz o SENHOR a teu respeito: Não morrerás à espada.

5 Em paz morrerás, e te queimarão perfumes a ti, como se queimaram a teus pais, que, como reis, te precederam, e te prantearão, dizendo: Ah! SENHOR! Pois eu é que disse a palavra, diz o SENHOR.

6 Falou Jeremias, o profeta, a Zedequias, rei de Judá, todas estas palavras, em Jerusalém,

7 quando o exército do rei da Babilônia pelejava contra Jerusalém e contra todas as cidades que restavam de Judá, contra Laquis e contra Azeca; porque só estas ficaram das cidades fortificadas de Judá.

As ameaças de Deus por causa da escravatura

yonke imibuso yomhlaba ebuswa yisandla sakhe, nabantu bonke belwa neJerusalema nayo yonke imizi yalo, lathi:

2 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Hamba usho kuSedekiya inkosi yakwaJuda, uthi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakuwunikela lo muzi esandleni senkosi yaseBabele, iwushise ngomlilo.

3 Awuyikuphunyuka esandleni sayo; uyakubanjwa nokubanjwa, unikelwe esandleni sayo; amehlo akho ayakubheka amehlo enkosi yaseBabele, ikhulume nawe umlomo nomlomo; uyakuya eBabele.

4 Kepha yizwa izwi likaJehova, Sedekiya, nkosi yakwaJuda. Usho kanje uJehova ngawe, uthi: Awuyikufa ngenkemba;

5 uyakufa ngokuthula; njengokushiselwa kwawoyihlo, amakhosi okuqala ayengaphambi kwakho, kanjalo bayakukushisela wena, bakulilele, bathi: Maye, nkosi! Ngokuba ngilikhulumile izwi, usho uJehova.

6 UJeremiya umprofethi wayesekhuluma onke lawo mazwi kuSedekiya inkosi yakwaJuda eJerusalema,

7 lapho impi yenkosi yaseBabele ilwa neJerusalema nayo yonke imizi yakwaJuda eseleyo, iLakishi ne-Azeka, ngokuba yiyo eyayisele phakathi kwemizi yakwaJuda iyimizi ebiyelweyo.

[8] Palavra que do SENHOR veio a Jeremias, depois que o rei Zedequias fez aliança com todo o povo de Jerusalém, para lhes apregoar a liberdade:

[9] que cada um despedisse forro o seu servo e cada um, a sua serva, hebreu ou hebréia, de maneira que ninguém retivesse como escravos hebreus, seus irmãos.

[10] Todos os príncipes e todo o povo que haviam entrado na aliança obedeceram, despedindo forro cada um o seu servo e cada um a sua serva, de maneira que já não os retiveram como escravos; obedeceram e os despediram.

[11] Mas depois se arrependeram, e fizeram voltar os servos e as servas que haviam despedido forros, e os sujeitaram por servos e por servas.

[12] Veio, pois, a palavra do SENHOR a Jeremias, da parte do SENHOR, dizendo:
[13] Assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Eu fiz aliança com vossos pais, no dia em que os tirei da terra do Egito, da casa da servidão, dizendo:

[14] Ao fim de sete anos, libertareis cada um a seu irmão hebreu, que te for vendido a ti e te houver servido seis anos, e despedi-lo-ás forro; mas vossos pais não me obedeceram, nem inclinaram os seus ouvidos a mim.

[8]Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lapho inkosi uSedekiya isenzile isivumelwano nabo bonke abantu baseJerusalema ukubamemezela ukukhululeka,
[9]ukuba yilowo nalowo akhulule isigqila sakhe, yilowo nalowo isigqilakazi sakhe, umHeberu nomHeberukazi, ukuze kungabikho muntu okhonzisa umfowabo kwaJuda.
[10]Zalalela zonke izikhulu, nabo bonke abantu ababengene esivumelwaneni ukuba bavumele, kube yilowo nalowo isigqila sakhe, yilowo nalowo isigqilakazi sakhe, ukuba zihambe, zikhululeke, kungabe kusaba khona okhonzisayo; bezwa, bavuma ukuba bahambe.
[11]Kepha emva kwalokho baphenduka, bazibuyisa izigqila nezigqilakazi ababezivumele ukuba zihambe, zikhululeke, bazithobisa zaba yizigqila nezigqilakazi.
[12]Ngalokho izwi likaJehova lafika kuJeremiya livela kuJehova, lathi:
[13] Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Mina ngenza isivumelwano nawoyihlo mhla ngibakhipha ezweni laseGibithe endlini yeziboshwa, ngathi:
[14] Ngasekugcineni kweminyaka eyisikhombisa niyakuvumela, kube yilowo nalowo umfowabo ongumHeberu othengisiwe kuwe, wakukhonza iminyaka eyisithupha, ukuba ahambe, nimdedele, akhululeke kini. Kepha oyihlo abangilalelanga, ababekanga izindlebe.

[15] Não há muito, havíeis voltado a fazer o que é reto perante mim, apregoando liberdade cada um ao seu próximo; e tínheis feito perante mim aliança, na casa que se chama pelo meu nome;

[16] mudastes, porém, e profanastes o meu nome, fazendo voltar cada um o seu servo e cada um, a sua serva, os quais, deixados à vontade, já tínheis despedido forros, e os sujeitastes, para que fossem vossos servos e servas.

[17] Portanto, assim diz o SENHOR: Vós não me obedecestes, para apregoardes a liberdade, cada um a seu irmão e cada um ao seu próximo; pois eis que eu vos apregôo a liberdade, diz o SENHOR, para a espada, para a peste e para a fome; farei que sejais um espetáculo horrendo para todos os reinos da terra.

[18] Farei aos homens que transgrediram a minha aliança e não cumpriram as palavras da aliança que fizeram perante mim como eles fizeram com o bezerro que dividiram em duas partes, passando eles pelo meio das duas porções;

[19] os príncipes de Judá, os príncipes de Jerusalém, os oficiais, os sacerdotes e todo o povo da terra, os quais passaram por meio das porções do bezerro,

[20] entregá-los-ei nas mãos de seus inimigos e nas mãos dos que procuram a sua morte,

[15]Nina-ke seniphendukile namuhla, nenza okulungile emehlweni ami ngokumemezela ukukhululeka, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe, nenza isivumelwano ngaphambi kwami endlini ebizwa ngegama lami.

[16]Kepha seniphendukile futhi, nalihlambalaza igama lami, nabuyisa, kwaba yilowo nalowo isigqila sakhe, yilowo nalowo isigqilakazi sakhe, enanizivumele ukuba zihambe, zikhululeke ngokuthanda kwazo, nazithobisa ukuba zibe yizigqila zenu nezigqilakazi zenu.

[17] Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Nina aningilalelanga ukuba nimemezele ukukhululeka, kube yilowo nalowo kumfowabo, yilowo nalowo kumakhelwane wakhe; bhekani, sengiyanimemezela ukukhululeka, usho uJehova, nginikhululele inkemba, nesifo, nendlala, nginenze ukuba nihlupheke emibusweni yonke yomhlaba.

[18] Ngiyakunikela abantu abeqile isivumelwano sami, abangawaqinisanga amazwi esivumelwano abasenzile ngaphambi kwami mhla bedabula kabili ithole, bedlula phakathi kwezinhlangothi zalo,

[19]ngisho izikhulu zakwaJuda, nezikhulu zaseJerusalema, nabathenwa, nabapristi, nabo bonke abantu bezwe ababedlula phakathi kwezinhlangothi zethole,

[20] yebo, ngiyakubanikela esandleni sezitha zabo nasesandleni sabafuna

e os cadáveres deles servirão de pasto às aves dos céus e aos animais da terra.

ukuphila kwabo, izidumbu zabo zibe ngukudla kwezinyoni zezulu nokwezilwane zomhlaba.

[21] A Zedequias, rei de Judá, e a seus príncipes, entregá-los-ei nas mãos de seus inimigos e nas mãos dos que procuram a sua morte, nas mãos do exército do rei da Babilônia, que já se retiraram de vós.

[21] USedekiya, inkosi yakwaJuda, nezikhulu zakhe, ngiyakubanikela esandleni sezitha zabo, nasesandleni sabafuna ukuphila kwabo, nasesandleni sempi yenkosi yaseBabele, asebenyukile kini.

[22] Eis que eu darei ordem, diz o SENHOR, e os farei tornar a esta cidade, e pelejarão contra ela, tomá-la-ão e a queimarão; e as cidades de Judá porei em assolação, de sorte que ninguém habite nelas.

[22] Bheka, ngiyakubayala, usho uJehova, ngibabuyisele kulo muzi; bayakulwa nawo, bawuthathe, bawushise ngomlilo, ngenze imizi yakwaJuda ibe yincithakalo ingahlalwa muntu.

Jeremias 35

A fidelidade dos recabitas

[1] Palavra que do SENHOR veio a Jeremias, nos dias de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá, dizendo:

[2] Vai à casa dos recabitas, fala com eles, leva-os à Casa do SENHOR, a uma das câmaras, e dá-lhes vinho a beber.

[3] Então, tomei a Jazanias, filho de Jeremias, filho de Habazinias, aos irmãos, e a todos os filhos dele, e a toda a casa dos recabitas;

[4] e os levei à Casa do SENHOR, à câmara dos filhos de Hanã, filho de Jigdalias, homem de Deus, que está junto à câmara dos príncipes e sobre a de Maaséias, filho de Salum, guarda do vestíbulo;

UJeremiya 35

AmaRekabi

[1]Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova ezinsukwini zikaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, lathi:

[2] Yiya endlini yamaRekabi, ukhulume kuwo, uwangenise endlini kaJehova kwelinye lamakamelo ayo, uwaphuzise iwayini.

[3]Ngase ngithatha uJahazaniya indodana kaJeremiya kaHabasiniya nabafowabo, nawo onke amadodana akhe, nayo yonke indlu yamaRekabi,

[4]ngabangenisa endlini kaJehova ekamelweni lamadodana kaHanani indodana ka-Igidaliya, umuntu kaNkulunkulu owayeseceleni kwekamelo lezikhulu elaliphezu kwekamelo likaMahaseya indodana kaShalumi, umlindisango.

[5] e pus diante dos filhos da casa dos recabitas taças cheias de vinho e copos e lhes disse: Bebei vinho.

[6] Mas eles disseram: Não beberemos vinho, porque Jonadabe, filho de Recabe, nosso pai, nos ordenou: Nunca jamais bebereis vinho, nem vós nem vossos filhos;

[7] não edificareis casa, não fareis sementeiras, não plantareis, nem possuireis vinha alguma; mas habitareis em tendas todos os vossos dias, para que vivais muitos dias sobre a terra em que viveis peregrinando.

[8] Obedecemos, pois, à voz de Jonadabe, filho de Recabe, nosso pai, em tudo quanto nos ordenou; de maneira que não bebemos vinho em todos os nossos dias, nem nós, nem nossas mulheres, nem nossos filhos, nem nossas filhas;

[9] nem edificamos casas para nossa habitação; não temos vinha, nem campo, nem semente.

[10] Mas habitamos em tendas, e, assim, obedecemos, e tudo fizemos segundo nos ordenou Jonadabe, nosso pai.

[11] Quando, porém, Nabucodonosor, rei da Babilônia, subia a esta terra, dissemos: Vinde, e refugiemo-nos em Jerusalém, por causa do exército dos caldeus e dos siros; e assim ficamos em Jerusalém.

[12] Então, veio a palavra do SENHOR a Jeremias, dizendo:

[13] Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Vai e dize aos homens de

[5]Ngabeka phambi kwamadodana endlu yamaRekabi izimbizana ezigcwele iwayini nezindebe, ngathi kubo: Phuzani iwayini.

[6] Kepha bathi: Asiyikuphuza iwayini, ngokuba uJonadaba, indodana kaRekabi ubaba, wasiyala wathi: Aniyikuphuza iwayini, nina namadodana enu, kuze kube nini,

[7]futhi ningakhi indlu, ningahlwanyeli imbewu, ningatshali isivini, ningabi naso, ngokuba niyakuhlala ematendeni zonke izinsuku zenu ukuba nihlale izinsuku eziningi lapho nigogobele khona.

[8]Sililalele izwi likaJonadaba indodana kaRekabi ubaba kukho konke asiyala ngakho ukuba singaphuzi iwayini zonke izinsuku zethu, thina nawomkethu, namadodana ethu, namadodakazi ethu,

[9]singakhi izindlu ukuba sihlale kuzo; futhi isivini, nensimu, nembewu asinakho.

[10]Kepha sihlale ematendeni, salalela, senza njengakho konke uJonadaba ubaba asiyala ngakho.

[11]Kwathi lapho uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, enyukele ezweni, sathi: Siyakuya nokuya eJerusalema, sisuke empini yamaKaledi nasempini yama-Aramu. Sase sakha-ke eJerusalema.

[12]Izwi likaJehova lafika kuJeremiya, lathi:

[13] Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Hamba

Judá e aos moradores de Jerusalém: Acaso, nunca aceitareis a minha advertência para obedecerdes às minhas palavras? – diz o SENHOR.

[14] As palavras de Jonadabe, filho de Recabe, que ordenou a seus filhos não bebessem vinho, foram guardadas; pois, até ao dia de hoje, não beberam; antes, obedecem às ordens de seu pai; a mim, porém, que, começando de madrugada, vos tenho falado, não me obedecestes.

[15] Começando de madrugada, vos tenho enviado todos os meus servos, dizendo: Convertei-vos agora, cada um do seu mau caminho, fazei boas as vossas ações e não sigais a outros deuses para servi-los; assim ficareis na terra que vos dei a vós outros e a vossos pais; mas não me inclinastes os ouvidos, nem me obedecestes a mim.

[16] Visto que os filhos de Jonadabe, filho de Recabe, guardaram o mandamento de seu pai, que ele lhes ordenara, mas este povo não me obedeceu,

[17] por isso, assim diz o SENHOR, o Deus dos Exércitos, o Deus de Israel: Eis que trarei sobre Judá e sobre todos os moradores de Jerusalém todo o mal que falei contra eles; pois lhes tenho falado, e não me obedeceram, clamei a eles, e não responderam.

[18] À casa dos recabitas disse Jeremias: Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus

usho kumadoda akwaJuda nakwabakhileyo eJerusalema, uthi: Aniyikwamukela ukulaywa ukuba niwalalele amazwi ami na? usho uJehova.

[14] Agciniwe amazwi kaJonadaba indodana kaRekabi ayala ngawo amadodana akhe okuba angaphuzi iwayini; kuze kube namuhla awaliphuzanga, ngokuba alalela umyalo kayise. Nami ngikhulume kini, ngikhuluma njalonjalo, kepha kaningilalelanga.

[15] Futhi ngithume kini zonke izinceku zami abaprofethi, ngibathuma njalonjalo, ngokuthi: Ake nibuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, nenze imisebenzi yenu ibe mihle, ningalandeli abanye onkulunkulu ukuba nibakhonze; khona niyakuhlala ezweni engilinike nina nawoyihlo. Kepha anibekanga izindlebe zenu, aningizwanga.

[16]Njengokuba amadodana kaJonadaba indodana kaRekabi egcinile umyalo kayise awayala ngawo, kepha laba bantu bengangilalelanga.

[17] Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakwehlisela phezu kukaJuda naphezu kwabo bonke abakhileyo eJerusalema konke okubi engikukhulume kubo, ngokuba ngikhulumile kubo kepha kabalalelanga, ngibabizile kepha kabaphendulanga.

[18]UJeremiya wathi kuyo indlu yamaRekabi: Usho kanje uJehova

de Israel: Pois que obedecestes ao mandamento de Jonadabe, vosso pai, e guardastes todos os seus preceitos, e tudo fizestes segundo vos ordenou,

Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Ngenxa yokuba niwulalele umyalo kaJonadaba uyihlo, nagcina yonke imiyalo yakhe, nenza ngakho konke aniyala ngakho,

[19] por isso, assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Nunca faltará homem a Jonadabe, filho de Recabe, que esteja na minha presença.

[19]ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: UJonadaba indodana kaRekabi akayikunqunyelwa muntu wokuma phambi kwami kuze kube phakade.

Jeremias 36

O rolo de Jeremias é lido no templo

[1] No quarto ano de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá, veio esta palavra do SENHOR a Jeremias, dizendo:

[2] Toma um rolo, um livro, e escreve nele todas as palavras que te falei contra Israel, contra Judá e contra todas as nações, desde o dia em que te falei, desde os dias de Josias até hoje.

[3] Talvez ouçam os da casa de Judá todo o mal que eu intento fazer-lhes e venham a converter-se cada um do seu mau caminho, e eu lhes perdoe a iniqüidade e o pecado.

[4] Então, Jeremias chamou a Baruque, filho de Nerias; escreveu Baruque no rolo, segundo o que ditou Jeremias, todas as palavras que a este o SENHOR havia revelado.

[5] Jeremias ordenou a Baruque, dizendo: Estou encarcerado; não posso entrar na Casa do SENHOR.

UJeremiya 36

Ukushiswa komqulu wencwadi

[1] Kwathi ngomnyaka wesine kaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, leli zwi lafika kuJeremiya livela kuJehova, lathi:

[2] Zithathele umqulu wencwadi, ulobe kuwo onke amazwi engiwakhulume kuwe ngo-Israyeli nangoJuda, nangazo zonke izizwe, kusukela osukwini engakhuluma ngalo kuwe, kusukela ezinsukwini zikaJosiya kuze kube namuhla.

[3] Mhlawumbe indlu yakwaJuda iyakuzwa konke okubi engicabanga ukukwenza kuyo ukuba ibuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, ngiyithethelele amacala ayo nezono zayo.

[4] UJeremiya wayesebiza uBaruki indodana kaNeriya; uBaruki waloba emqulwini wencwadi onke amazwi kaJehova ayewakhulume kuye, ewathatha emlonyeni kaJeremiya.

[5]UJeremiya wamyala uBaruki ngokuthi: Ngivalelwe, anginakungena endlini kaJehova.

[6] Entra, pois, tu e, do rolo que escreveste, segundo o que eu ditei, lê todas as palavras do SENHOR, diante do povo, na Casa do SENHOR, no dia de jejum; e também as lerás diante de todos os de Judá que vêm das suas cidades.

[7] Pode ser que as suas humildes súplicas sejam bem acolhidas pelo SENHOR, e cada um se converta do seu mau caminho; porque grande é a ira e o furor que o SENHOR tem manifestado contra este povo.

[8] Fez Baruque, filho de Nerias, segundo tudo quanto lhe havia ordenado Jeremias, o profeta, e leu naquele livro as palavras do SENHOR, na Casa do SENHOR.

[9] No quinto ano de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá, no mês nono, apregoaram jejum diante do SENHOR a todo o povo em Jerusalém, como também a todo o povo que vinha das cidades de Judá a Jerusalém.

[10] Leu, pois, Baruque naquele livro as palavras de Jeremias na Casa do SENHOR, na câmara de Gemarias, filho de Safã, o escriba, no átrio superior, à entrada da Porta Nova da Casa do SENHOR, diante de todo o povo.

O rolo é lido diante dos príncipes

[11] Ouvindo Micaías, filho de Gemarias, filho de Safã, todas as palavras do SENHOR, naquele livro,

[6]Hamba wena, ufunde emqulwini owulobileyo, uthathe emlonyeni wami, amazwi kaJehova ezindlebeni zabantu endlini kaJehova ngosuku lokuzila ukudla, uwafunde nasezindlebeni zabo bonke abakwaJuda abavela emizini yakubo.

[7]Mhlawumbe ukunxusa kwabo kuyakufika phambi kukaJehova, babuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, ngokuba inkulu intukuthelo nokufutheka akukhulumileyo uJehova ngalaba bantu.

[8]UBaruki indodana kaNeriya wenza njengakho konke uJeremiya umprofethi amyala ngakho, efunda encwadini amazwi kaJehova endlini kaJehova.

[9]Kwathi ngomnyaka wesihlanu kaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, ngenyanga yesishiyagalolunye bonke abantu baseJerusalema nabo bonke abantu ababevela emizini yakwaJuda beza eJerusalema, bamemezela ukuzila ukudla phambi kukaJehova.

[10] UBaruki wayesefunda encwadini amazwi kaJeremiya endlini kaJehova ekamelweni likaGemariya indodana kaShafani umbhali egcekeni lasenhla ngasesikhaleni sesango elisha lendlu kaJehova ezindlebeni zabantu bonke.

[11]UMikhaya indodana kaGemariya kaShafani wezwa onke amazwi kule ncwadi,

[12] desceu à casa do rei, à câmara do escrivão. Eis que todos os príncipes estavam ali assentados: Elisama, o escrivão, Delaías, filho de Semaías, Elnatã, filho de Acbor, Gemarias, filho de Safã, Zedequias, filho de Hananias, e todos os outros príncipes.

[13] Micaías anunciou-lhes todas as palavras que ouvira, quando Baruque leu o livro diante do povo.

[14] Então, todos os príncipes mandaram Jeudi, filho de Netanias, filho de Selemias, filho de Cusi, dizer a Baruque: O rolo que leste diante do povo, toma-o contigo e vem. Baruque, filho de Nerias, tomou o rolo consigo e veio ter com eles.

[15] Disseram-lhe: Assenta-te, agora, e lê-o para nós. E Baruque o leu diante deles.

[16] Tendo eles ouvido todas aquelas palavras, entreolharam-se atemorizados e disseram a Baruque: Sem dúvida nenhuma, anunciaremos ao rei todas estas palavras.

[17] E perguntaram a Baruque, dizendo: Declara-nos, como escreveste isto? Acaso, te ditou o profeta todas estas palavras?

[18] Respondeu-lhes Baruque: Ditava-me pessoalmente todas estas palavras, e eu as escrevia no livro com tinta.

[19] Então, disseram os príncipes a Baruque: Vai, esconde-te, tu e Jeremias; ninguém saiba onde estais.

O rei lança o rolo no fogo

[12]wehlela endlini yenkosi ekamelweni lombhali; bheka, kwakuhlezi khona zonke izikhulu, u-Elishama umbhali, noDelaya indodana kaShemaya, no-Elinathani indodana ka-Akibori, noGemariya indodana kaShafani, noSedekiya indodana kaHananiya, zonke izikhulu.

[13]UMikhaya wazitshela onke amazwi ayewezwile, lapho uBaruki eyifunda incwadi ezindlebeni zabantu.

[14]Ngalokho zonke izikhulu zathuma uJehudi indodana kaNethaniya kaShelemiya kaKushi kuBaruki, zathi: Umqulu owufundileyo ezindlebeni zabantu wuthathe ngesandla sakho, uze nawo. UBaruki indodana kaNeriya wawuthatha umqulu ngesandla sakhe, weza kuzo.

[15]Zathi kuye: Ake uhlale phansi, ufunde ezindlebeni zethu. UBaruki wayesefunda ezindlebeni zazo.

[16]Kwathi lapho sezizwile onke amazwi, zaphendukelana ngokwesaba, kwaba yileso naleso kumakhelwane waso, zathi kuBaruki: Siyakuyitshela nokuyitshela inkosi lawa mazwi.

[17]Zambuza uBaruki, zathi: Ake usitshele ukuthi wawaloba kanjani onke lawa mazwi, uwathatha emlonyeni wakhe, na?

[18]UBaruki wathi kuzo: Wawaphumisela onke lawa mazwi kimi ngomlomo wakhe, ngawaloba encwadini ngoyinki.

[19]Zase zithi izikhulu kuBaruki: Hamba ucashe, wena noJeremiya, kungazi muntu lapho nikhona.

[20] Foram os príncipes ter com o rei ao átrio, depois de terem depositado o rolo na câmara de Elisama, o escrivão, e anunciaram diante do rei todas aquelas palavras.

[21] Então, enviou o rei a Jeudi, para que trouxesse o rolo; Jeudi tomou-o da câmara de Elisama, o escrivão, e o leu diante do rei e de todos os príncipes que estavam com ele.

[22] O rei estava assentado na casa de inverno, pelo nono mês, e diante dele estava um braseiro aceso.

[23] Tendo Jeudi lido três ou quatro folhas do livro, cortou-o o rei com um canivete de escrivão e o lançou no fogo que havia no braseiro, e, assim, todo o rolo se consumiu no fogo que estava no braseiro.

[24] Não se atemorizaram, não rasgaram as vestes, nem o rei nem nenhum dos seus servos que ouviram todas aquelas palavras.

[25] Posto que Elnatã, Delaías e Gemarias tinham insistido com o rei que não queimasse o rolo, ele não lhes deu ouvidos.

[26] Antes, deu ordem o rei a Jerameel, filho de Hameleque, a Seraías, filho de Azriel, e a Selemias, filho de Abdeel, que prendessem a Baruque, o escrivão, e a Jeremias, o profeta; mas o SENHOR os havia escondido.

Baruque reescreve o rolo

[20]Zase zingena enkosini egcekeni; sezibeke umqulu ekamelweni lika-Elishama umbhali zalanda onke amazwi ezindlebeni zenkosi.

[21]Inkosi yayisimthuma uJehudi ukuba awulande umqulu; wawukhipha ekamelweni lika-Elishama umbhali. UJehudi wawufunda ezindlebeni zenkosi nasezindlebeni zazo zonke izikhulu ezazimi ngasenkosini.

[22]Inkosi yayihlezi endlini yobusika ngenyanga yesishiyagalolunye, iziko elivuthayo liphambi kwayo.

[23]Kwathi lapho uJehudi esefundile amakhasi amathathu noma amane, yawasika ngommese womlobi, yawaphonsa emlilweni oseziko, waze waphela wonke umqulu emlilweni oseziko.

[24]Azesabanga, aziklebhulanga izingubo zazo, inkosi nezinceku zayo ezaziwezwa onke lawa mazwi.

[25]O-Elinathani noDelaya noGemariya babekhulekile enkosini ukuba ingashisi umqulu, kepha ayibezwanga.

[26]Inkosi yayala uJerameli indodana yenkosi, noSeraya indodana ka-Aziriyeli, noShelemiya indodana ka-Abideyeli ukuba babambe uBaruki umbhali noJeremiya umprofethi, kepha uJehova wabafihla.

[27] Então, veio a Jeremias a palavra do SENHOR, depois que o rei queimara o rolo com as palavras que Baruque escrevera ditadas por Jeremias, dizendo:

[28] Toma outro rolo e escreve nele todas as palavras que estavam no original, que Jeoaquim, rei de Judá, queimou.

[29] E a Jeoaquim, rei de Judá, dirás: Assim diz o SENHOR: Tu queimaste aquele rolo, dizendo: Por que escreveste nele que certamente viria o rei da Babilônia, e destruiria esta terra, e acabaria com homens e animais dela?

[30] Portanto, assim diz o SENHOR, acerca de Jeoaquim, rei de Judá: Ele não terá quem se assente no trono de Davi, e o seu cadáver será largado ao calor do dia e à geada da noite.

[31] Castigá-lo-ei, e à sua descendência, e aos seus servos por causa da iniqüidade deles; sobre ele, sobre os moradores de Jerusalém e sobre os homens de Judá farei cair todo o mal que tenho falado contra eles, e não ouviram.

[32] Tomou, pois, Jeremias outro rolo e o deu a Baruque, filho de Nerias, o escrivão, o qual escreveu nele, ditado por Jeremias, todas as palavras do livro que Jeoaquim, rei de Judá, queimara; e ainda se lhes acrescentaram muitas palavras semelhantes.

[27]Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya, inkosi isishisile umqulu namazwi awaloba uBaruki, ewathatha emlonyeni kaJeremiya, lithi:

[28] Buya, uzithathele omunye umqulu, ulobe kuwo onke amazwi okuqala ayesemqulwini wokuqala, awushisa uJehoyakimi inkosi yakwaJuda.

[29]NgoJehoyakimi inkosi yakwaJuda uyakusho uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Uwushisile lo mqulu ngokuthi: Ulobeleni kuwo ukuthi inkosi yaseBabele iyakufika nokufika ukuchitha leli zwe, yenze ukuba kuphele kulo abantu nezilwane, na?

[30] Ngalokho usho kanje uJehova ngoJehoyakimi inkosi yakwaJuda, uthi: Akayikuba namuntu wokuhlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide; isidumbu sakhe siyakuntshingwa ekushiseni kwasemini nasesithwathweni sasebusuku.

[31]Ngiyakumjezisa yena nenzalo yakhe nezinceku zakhe ngokona kwabo, ngehlisele phezu kwabo, naphezu kwabakhileyo eJerusalema, naphezu kwabantu bakwaJuda konke okubi engikukhulume ngabo, bengalalelanga kodwa.

[32]UJeremiya wayesethatha omunye umqulu, wawunika uBaruki umbhali, indodana kaNeriya, owaloba kuwo, ewathatha emlonyeni kaJeremiya onke amazwi encwadi uJehoyakimi inkosi yakwaJuda ayeyishisile ngomlilo;

kwathasiselwa kuwo amanye amazwi amaningi anjengawo.

Jeremias 37

Jeremias na prisão

[1] Zedequias, filho de Josias e a quem Nabucodonosor, rei da Babilônia, constituíra rei na terra de Judá, reinou em lugar de Conias, filho de Jeoaquim.

[2] Mas nem ele, nem os seus servos, nem o povo da terra deram ouvidos às palavras do SENHOR que falou por intermédio de Jeremias, o profeta.

[3] Contudo, mandou o rei Zedequias a Jucal, filho de Selemias, e ao sacerdote Sofonias, filho de Maaséias, ao profeta Jeremias, para lhe dizerem: Roga por nós ao SENHOR, nosso Deus.

[4] Jeremias andava livremente entre o povo, porque ainda o não haviam encarcerado.

[5] O exército de Faraó saíra do Egito; e, quando os caldeus, que sitiavam Jerusalém, ouviram esta notícia, retiraram-se dela.

[6] Então, veio a Jeremias, o profeta, a palavra do SENHOR:

[7] Assim diz o SENHOR, Deus de Israel: Assim direis ao rei de Judá, que vos enviou a mim, para me consultar: Eis que o exército de Faraó, que saiu em vosso socorro, voltará para a sua terra, no Egito.

UJeremiya 37

[1] USedekiya, indodana kaJosiya, waba yinkosi esikhundleni sikaKhoniya, indodana kaJehoyakimi, wabekwa inkosi ezweni lakwaJuda nguNebukadinesari, inkosi yaseBabele.

[2]Kepha yena nezinceku zakhe nabantu bezwe abawalalelanga amazwi kaJehova awakhulumayo ngesandla sikaJeremiya umprofethi.

[3] USedekiya inkosi wathuma uJehukali, indodana kaShelemiya, noZefaniya, indodana kaMahaseya, umpristi, kumprofethi uJeremiya, wathi: Ake usikhulekele kuJehova uNkulunkulu wethu.

[4]UJeremiya wangena, waphuma phakathi kwabantu, ngokuba babengakamfaki etilongweni.

[5]Impi kaFaro yayisiphumile eGibithe; lapho amaKaledi avimbezela iJerusalema ekuzwa, akhuphuka eJerusalema.

[6]Lase lifika izwi likaJehova kumprofethi uJeremiya, lithi:

[7] Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Niyakusho kanje enkosini yakwaJuda eyanithuma kimi ukubuza kimi, nithi: Bheka, impi kaFaro ephume ukunisiza iyakubuyela eGibithe, izwe lakubo.

[8] Retornarão os caldeus, pelejarão contra esta cidade, tomá-la-ão e a queimarão.

[9] Assim diz o SENHOR: Não vos enganeis a vós mesmos, dizendo: Sem dúvida, se irão os caldeus de nós; pois, de fato, não se retirarão.

[10] Porque, ainda que derrotásseis a todo o exército dos caldeus, que pelejam contra vós outros, e ficassem deles apenas homens mortalmente feridos, cada um se levantaria na sua tenda e queimaria esta cidade.

[11] Tendo-se retirado o exército dos caldeus de Jerusalém, por causa do exército de Faraó,

[12] saiu Jeremias de Jerusalém, a fim de ir à terra de Benjamim, para receber o quinhão de uma herança que tinha no meio do povo.

[13] Estando ele à Porta de Benjamim, achava-se ali um capitão da guarda, cujo nome era Jerias, filho de Selemias, filho de Hananias, capitão que prendeu a Jeremias, o profeta, dizendo: Tu foges para os caldeus.

[14] Disse Jeremias: É mentira, não fujo para os caldeus. Mas Jerias não lhe deu ouvidos; prendeu a Jeremias e o levou aos príncipes.

[15] Os príncipes, irados contra Jeremias, açoitaram-no e o meteram no cárcere, na casa de Jônatas, o escrivão, porque a tinham transformado em cárcere.

[16] Tendo Jeremias entrado nas celas do calabouço, ali ficou muitos dias.

[8] AmaKaledi ayakubuya, alwe nalo muzi, awuthathe, awushise ngomlilo.

[9] Usho kanje uJehova, uthi: Ningazikhohlisi ngokuthi: AmaKaledi ayakusuka nokusuka kithi; ngokuba awayikusuka.

[10]Ngokuba noma benichithile impi yonke yamaKaledi elwa nani, kwaze kwasala abantu abagwaziweyo bodwa phakathi kwabo, bona bebeyakuvuka, kube yilowo nalowo etendeni lakhe, bawushise lo muzi ngomlilo.

[11]Kwathi lapho impi yamaKaledi isikhuphukile eJerusalema ngokwesaba impi kaFaro,

[12]uJeremiya waphuma eJerusalema ukuba aye ezweni lakwaBenjamini ukuthola khona isabelo sakhe phakathi kwabantu.

[13]Lapho esesangweni lakwaBenjamini, kwakukhona lapho inkosi yabalindi egama layo lalingu-Iriya indodana kaShelemiya kaHananiya; yambamba uJeremiya umprofethi, yathi: Uyahlubukela kumaKaledi.

[14]Kepha uJeremiya wathi: Amanga. Angihlubukeli kumaKaledi. Kepha ayimlalelanga; u-Iriya wayesembamba uJeremiya, wamyisa ezikhulwini.

[15]Izikhulu zamthukuthelela uJeremiya, zamshaya, zamfaka etilongweni endlini kaJonathani umbhali, ngokuba zaziyenze itilongo.

[16] Lapho uJeremiya esengene endlini yomgodi ezindlwaneni ezingaphansi,

[17] Mandou o rei Zedequias trazê-lo para sua casa e, em secreto, lhe perguntou: Há alguma palavra do SENHOR? Respondeu Jeremias: Há. Disse ainda: Nas mãos do rei da Babilônia serás entregue.

[18] Disse mais Jeremias ao rei Zedequias: Em que pequei contra ti, ou contra os teus servos, ou contra este povo, para que me pusesses na prisão?

[19] Onde estão agora os vossos profetas, que vos profetizavam, dizendo: O rei da Babilônia não virá contra vós outros, nem contra esta terra?

[20] Agora, pois, ouve, ó rei, meu senhor: Que a minha humilde súplica seja bem acolhida por ti, e não me deixes tornar à casa de Jônatas, o escrivão, para que eu não venha a morrer ali.

[21] Então, ordenou o rei Zedequias que pusessem a Jeremias no átrio da guarda; e, cada dia, deram-lhe um pão da Rua dos Padeiros, até acabar-se todo pão da cidade. Assim ficou Jeremias no átrio da guarda.

Jeremias 38

O etíope Ebede-Meleque salva Jeremias da cisterna

[1] Ouviu, pois, Sefatias, filho de Matã, e Gedalias, filho de Pasur, e Jucal, filho de Selemias, e Pasur, filho de Malquias, as

uJeremiya esehlale khona izinsuku eziningi,

[17] uSedekiya inkosi wathumela wamlanda; inkosi yambuza ngasese endlini yayo, yathi: Kukhona izwi elivela kuJehova na? UJeremiya wathi: Likhona. Wathi futhi: Uyakunikelwa esandleni senkosi yaseBabele.

[18]UJeremiya wathi futhi enkosini uSedekiya: Ngoneni kuwe, nasezincekwini zakho, nakulaba bantu ukuba ningifake etilongweni na?

[19]Baphi manje abaprofethi benu ababeprofetha kini ngokuthi: Inkosi yaseBabele ayiyikunehlela nina naleli zwe, na?

[20]Ake uzwe manje, nkosi yami, nkosi; ukunxusa kwami makufike phambi kwakho ukuba ungangibuyiseli endlini kaJonathani umbhali, funa ngifele khona.

[21] USedekiya inkosi wayeseyala ukuba bambeke uJeremiya egcekeni letilongo, bamnika imihla ngemihla iqebelengwane lesinkwa livela esiTaladini Sabaphekizinkwa, kwaze kwaphela isinkwa sonke emzini. UJeremiya wahlala-ke egcekeni letilongo.

UJeremiya 38

Ukukhululwa kukaJeremiya emgodini

[1] UShefathiya indodana kaMathani, noGedaliya indodana kaPhashuri, noJukali indodana kaShelemiya, noPhashuri indodana kaMalikhiya

palavras que Jeremias anunciava a todo o povo, dizendo:

bawezwa amazwi uJeremiya awakhulumayo kubo bonke abantu ukuthi:

[2] Assim diz o SENHOR: O que ficar nesta cidade morrerá à espada, à fome e de peste; mas o que passar para os caldeus viverá; porque a vida lhe será como despojo, e viverá.

[2] Usho kanje uJehova, uthi: Osele kulo muzi uyakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo, kepha ophumela kumaKaledi uyakuphila, nokuphila kwakhe kuyakuba yimpango kuye, aphile.

[3] Assim diz o SENHOR: Esta cidade infalivelmente será entregue nas mãos do exército do rei da Babilônia, e este a tomará.

[3] Usho kanje uJehova, uthi: Lo muzi uyakunikelwa nokunikelwa esandleni sempi yenkosi yaseBabele, iwuthathe.

[4] Disseram os príncipes ao rei: Morra este homem, visto que ele, dizendo assim estas palavras, afrouxa as mãos dos homens de guerra que restam nesta cidade e as mãos de todo o povo; porque este homem não procura o bem-estar para o povo, e sim o mal.

[4] Zase zithi izikhulu enkosini: Makabulawe lo muntu, njengokuba edangalisa izandla zamadoda empi asele kulo muzi nezandla zabantu bonke ngokukhuluma amazwi anjalo kubo, ngokuba lo muntu akafuni ukuthula kwalaba bantu, ubafunela okubi.

[5] Disse o rei Zedequias: Eis que ele está nas vossas mãos; pois o rei nada pode contra vós outros.

[5]USedekiya inkosi wayesethi: Bhekani, usesandleni senu, ngokuba inkosi ayinamandla okuphambana nani ngalutho.

[6] Tomaram, então, a Jeremias e o lançaram na cisterna de Malquias, filho do rei, que estava no átrio da guarda; desceram a Jeremias com cordas. Na cisterna não havia água, senão lama; e Jeremias se atolou na lama.

[6] Zase zimthatha uJeremiya, zamphonsa emgodini kaMalikhiya indodana yenkosi owawusegcekeni letilongo, bamehlisa uJeremiya ngezintambo. Emgodini kwakungekho manzi, udaka lodwa; uJeremiya washona odakeni.

[7] Ouviu Ebede-Meleque, o etíope, eunuco que estava na casa do rei, que tinham metido a Jeremias na cisterna; ora, estando o rei assentado à Porta de Benjamim,

[7]U-Ebedi Meleki umKushe, umthenwa, owayesendlini yenkosi, esezwile ukuthi bamfake uJeremiya emgodini, inkosi ihlezi esangweni lakwaBenjamini,

[8] saiu Ebede-Meleque da casa do rei e lhe falou:

[9] Ó rei, senhor meu, agiram mal estes homens em tudo quanto fizeram a Jeremias, o profeta, que lançaram na cisterna; no lugar onde se acha, morrerá de fome, pois já não há pão na cidade.

[10] Então, deu ordem o rei a Ebede-Meleque, o etíope, dizendo: Toma contigo daqui trinta homens e tira da cisterna o profeta Jeremias, antes que morra.

[11] Tomou Ebede-Meleque os homens consigo, e foi à casa do rei, por debaixo da tesouraria, e tomou dali umas roupas usadas e trapos, e os desceu a Jeremias na cisterna, por meio de cordas.

[12] Disse Ebede-Meleque, o etíope, a Jeremias: Põe agora estas roupas usadas e estes trapos nas axilas, calçando as cordas; Jeremias o fez.

[13] Puxaram a Jeremias com as cordas e o tiraram da cisterna; e Jeremias ficou no átrio da guarda.

Zedequias consulta o profeta

[14] Então, o rei Zedequias mandou trazer o profeta Jeremias à sua presença, à terceira entrada na Casa do SENHOR, e lhe disse: Quero perguntar-te uma coisa, nada me encubras.

[8]u-Ebedi Meleki waphuma endlini yenkosi, wakhuluma enkosini, wathi:

[9] Nkosi yami, nkosi, laba bantu benzile okubi ngakho konke abakwenzile kuJeremiya umprofethi, abamphonsile emgodini; uyakufela endaweni lapho ekhona ngokulamba, ngokuba akusekho ukudla emzini.

[10]Inkosi yayisimyala u-Ebedi Meleki umKushe, ithi: Thatha lapha abantu abangamashumi amathathu, uhambe nabo, umkhiphe uJeremiya umprofethi emgodini, engakafi.

[11]U-Ebedi Meleki wabathatha abantu, wahamba nabo, waya endlini yenkosi phansi kwendlu yengcebo, wakhipha khona amadlephudlephu amadala namanikiniki abolileyo, wawehlisela kuJeremiya emgodini ngezintambo.

[12]U-Ebedi Meleki umKushe wathi kuJeremiya: Faka lawa madlephudlephu amadala namanikiniki abolileyo emakhwapheni phansi kwezintambo. UJeremiya wenze njalo.

[13]Base bemdonsa uJeremiya ngezintambo, bamkhipha emgodini; uJeremiya wahlala egcekeni letilongo.

UJeremiya uhlangana ngasese noSedekiya

[14]USedekiya inkosi wathumela wamthatha uJeremiya umprofethi, wamzisa kuye esikhaleni sesithathu esisendlini kaJehova; inkosi yathi kuJeremiya: Ngithanda ukubuza into kuwe, ungangifihleli lutho.

[15] Disse Jeremias a Zedequias: Se eu ta disser, porventura, não me matarás? Se eu te aconselhar, não me atenderás.

[15]UJeremiya wathi kuSedekiya: Uma ngikutshela, awuyikungibulala nokungibulala na? Uma ngikululeka, awuyikungilalela.

[16] Então, Zedequias jurou secretamente a Jeremias, dizendo: Tão certo como vive o SENHOR, que nos deu a vida, não te matarei, nem te entregarei nas mãos desses homens que procuram tirar-te a vida.

[16]Inkosi uSedekiya yayisifunga ngasese kuJeremiya, yathi: Kuphila kukaJehova owasenzela lo mphefumulo, angiyikukubulala, futhi angiyikukunikela esandleni salawa madoda afuna ukuphila kwakho.

[17] Então, Jeremias disse a Zedequias: Assim diz o SENHOR, o Deus dos Exércitos, Deus de Israel: Se te renderes voluntariamente aos príncipes do rei da Babilônia, então, viverá tua alma, e esta cidade não se queimará, e viverás tu e a tua casa.

[17]Wayesethi uJeremiya kuSedekiya: Usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Uma uphuma nokuphuma, uye ezikhulwini zenkosi yaseBabele, umphefumulo wakho uyakuphila, futhi lo muzi awuyikushiswa ngomlilo, uphile wena nendlu yakho;

[18] Mas, se não te renderes aos príncipes do rei da Babilônia, então, será entregue esta cidade nas mãos dos caldeus, e eles a queimarão, e tu não escaparás das suas mãos.

[18]kepha uma ungaphumi uye ezikhulwini zenkosi yaseBabele, lo muzi uyakunikelwa esandleni samaKaledi, awushise ngomlilo, ungaphunyuki esandleni sabo.

[19] Disse o rei Zedequias a Jeremias: Receio-me dos judeus que se passaram para os caldeus; não suceda que estes me entreguem nas mãos deles, e eles escarneçam de mim.

[19]Inkosi uSedekiya yathi kuJeremiya: Ngiyesaba abaJuda abahlubukele kumaKaledi, funa nginikelwe esandleni sabo, bangiklolodele.

[20] Disse Jeremias: Não te entregarão; ouve, te peço, a palavra do SENHOR, segundo a qual eu te falo; e bem te irá, e será poupada a tua vida.

[20]Kepha uJeremiya wathi: Abayikukunikela. Ake ulilalele izwi likaJehova kulokhu engikukhulumayo kuwe; kuyakuba kuhle kuwe, umphefumulo wakho uphile.

[21] Mas, se não quiseres sair, esta é a palavra que me revelou o SENHOR:

[21]Kepha uma wala ukuphuma, yileli zwi uJehova angibonisile lona lokuthi:

[22] Eis que todas as mulheres que ficaram na casa do rei de Judá serão levadas aos príncipes do rei da Babilônia, e elas mesmas dirão: Os teus bons amigos te enganaram e prevaleceram contra ti; mas, agora que se atolaram os teus pés na lama, voltaram atrás.

[23] Assim, a todas as tuas mulheres e a teus filhos levarão aos caldeus, e tu não escaparás das suas mãos; antes, pela mão do rei da Babilônia serás preso; e por tua culpa esta cidade será queimada.

[24] Então, disse Zedequias a Jeremias: Ninguém saiba estas palavras, e não morrerás.

[25] Quando, ouvindo os príncipes que falei contigo, vierem a ti e te disserem: Declara-nos agora o que disseste ao rei e o que ele te disse a ti, nada nos encubras, e não te mataremos,

[26] então, lhes dirás: Apresentei a minha humilde súplica diante do rei para que não me fizesse tornar à casa de Jônatas, para morrer ali.

[27] Vindo, pois, todos os príncipes a Jeremias, e, interrogando-o, declarou-lhes segundo todas as palavras que o rei lhe havia ordenado; e o deixaram em paz, porque da conversação nada transpirara.

[28] Ficou Jeremias no átrio da guarda, até ao dia em que foi tomada Jerusalém.

Jeremias 39

[22] Bheka, bonke abesifazane abasele endlini yenkosi yakwaJuda bayakukhishelwa izikhulu zenkosi yaseBabele; bheka, bayakuthi: Abahlobo bakho abakhulu bakududile, bakwahlula; kepha lapho izinyawo zakhe zishone exhaphozini, babuyele emuva.

[23] Bayakukhiphela amaKaledi bonke abafazi bakho nabantwana bakho; awuyikuphunyuka esandleni sabo, kepha uyakubanjwa ngesandla senkosi yaseBabele, wenze ukuba lo muzi ushiswe ngomlilo.

[24]USedekiya wayesethi kuJeremiya: Makungabikho muntu owazi lawa mazwi, funa ufe.

[25]Uma izikhulu zizwa ukuthi ngikhulumile nawe, bese zifika kuwe, zithi kuwe: Ake usitshele okukhulumileyo enkosini, ungasifihleli khona, asiyikukubulala, nalokho inkosi eyakukhuluma kuwe,

[26] uyakuthi kubo: Nganxusa enkosini ukuba ingangibuyiseli endlini kaJonathani, funa ngifele khona.

[27]Zonke izikhulu zafika kuJeremiya, zambuza. Wazitshela onke lawa mazwi inkosi emyale ngawo. Zathula, zasuka kuye, ngokuba indaba ayizwakalanga.

[28]Kepha uJeremiya wasala egcekeni letilongo, kwaze kwafika usuku elanqotshwa ngalo iJerusalema.

UJeremiya 39

Nabucodonosor toma Jerusalém
2 Reis 24.20—25.12; 2 Crônicas 36.17-21; Jeremias 52.1-16

[1] Foi tomada Jerusalém. Era o ano nono de Zedequias, rei de Judá, no mês décimo, quando veio Nabucodonosor, rei da Babilônia, e todo o seu exército, contra Jerusalém, e a cercaram;

[2] era o undécimo ano de Zedequias, no quarto mês, aos nove do mês, quando se fez uma brecha na cidade.

[3] Então, entraram todos os príncipes do rei da Babilônia e se assentaram na Porta do Meio: Nergal-Sarezer, Sangar-Nebo, Sarsequim, Rabe-Saris, Nergal-Sarezer, Rabe-Mague e todos os outros príncipes do rei da Babilônia.

[4] Tendo-os visto Zedequias, rei de Judá, e todos os homens de guerra, fugiram e, de noite, saíram da cidade, pelo caminho do jardim do rei, pela porta que está entre os dois muros; Zedequias saiu pelo caminho da campina.

[5] Mas o exército dos caldeus os perseguiu e alcançou a Zedequias nas campinas de Jericó; eles o prenderam e o fizeram subir a Ribla, na terra de Hamate, a Nabucodonosor, rei da Babilônia, que lhe pronunciou a sentença.

[6] O rei da Babilônia mandou matar, em Ribla, os filhos de Zedequias à vista deste; também matou a todos os príncipes de Judá.

Ukunqotshwa kweJerusalema

[1] Kwathi lapho iJerusalema selinqotshiwe ngomnyaka wesishiyagalolunye kaSedekiya, inkosi yakwaJuda, ngenyanga yeshumi kwafika uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, nempi yakhe yonke eJerusalema, walivimbezela;

[2]ngomnyaka weshumi nanye kaSedekiya ngenyanga yesine ngolwesishiyagalolunye lwenyanga umuzi wafohlwa

[3]kwangena zonke izikhulu zenkosi yaseBabele, zahlala esangweni eliphakathi, oNerigali Sareseri, noSamigari Nebo, noSaresekimi induna yezinceku, noNerigali Sareseri induna yabapristi, kanye nazo zonke ezinye izikhulu zenkosi yaseBabele.

[4]Kwathi lapho uSedekiya inkosi yakwaJuda nawo onke amadoda empi bezibona, babaleka, bephuma emzini ebusuku ngendlela yensimu yenkosi ngesango phakathi kwezingange zombili; waphuma ngendlela yase-Araba.

[5]Kepha impi yamaKaledi yabaxosha, yamfica uSedekiya emahlane aseJeriko, yambamba, yamkhuphulela kuNebukadinesari, inkosi yaseBabele, eRibila ezweni laseHamati, wamahlulela.

[6]Inkosi yaseBabele yabulala amadodana kaSedekiya eRibila phambi kwamehlo akhe; futhi inkosi yaseBabele yabulala bonke abakhulu bakwaJuda.

[7] Vazou os olhos a Zedequias e o atou com duas cadeias de bronze, para o levar à Babilônia.
[8] Os caldeus queimaram a casa do rei e as casas do povo e derribaram os muros de Jerusalém.
[9] O mais do povo que havia ficado na cidade, os desertores que se entregaram a ele e o sobrevivente do povo, Nebuzaradã, o chefe da guarda, levou-os cativos para a Babilônia.

[10] Porém dos mais pobres da terra, que nada tinham, deixou Nebuzaradã, o chefe da guarda, na terra de Judá; e lhes deu vinhas e campos naquele dia.

Nabucodonosor cuida de Jeremias

[11] Mas Nabucodonosor, rei da Babilônia, havia ordenado acerca de Jeremias, a Nebuzaradã, o chefe da guarda, dizendo:
[12] Toma-o, cuida dele e não lhe faças nenhum mal; mas faze-lhe como ele te disser.

[13] Deste modo, Nebuzaradã, o chefe da guarda, ordenou a Nebusazbã, Rabe-Saris, Nergal-Sarezer, Rabe-Mague, e todos os príncipes do rei da Babilônia

[14] mandaram retirar Jeremias do átrio da guarda e o entregaram a Gedalias, filho de Aicão, filho de Safã, para que o levasse para o seu palácio; assim, habitou entre o povo.
[15] Ora, tinha vindo a Jeremias a palavra do SENHOR, estando ele ainda detido no átrio da guarda, dizendo:

[7]Yakhipha namehlo kaSedekiya, yambopha ngamaketanga ukuba imyise eBabele.
[8]AmaKaledi ashisa indlu yenkosi nezindlu zabantu ngomlilo, azidiliza izingange zaseJerusalema.

[9]Insali yabantu ababesala emzini, nabahlubuki ababehlubukela kuye, nensali yabantu abaseleyo uNebuzaradani induna yabalindi wabathumbela eBabele.

[10]Kepha uNebuzaradani induna yabalindi wabashiya abantu abampofu ababengenalutho ezweni lakwaJuda, wabanika izivini namasimu ngasikhathi sinye.

[11]UNebukadinesari, inkosi yaseBabele, wamyala uNebuzaradani, induna yabalindi, ngoJeremiya, wathi:
[12] Mthathe, umbheke, ungamenzeli lutho olubi, kepha wenze kuye njengokusho kwakhe kuwe.
[13]UNebuzaradani induna yabalindi kanye noNebushazibani induna yezinceku, noNerigali Sareseri induna yabapristi, nezikhulu zonke zenkosi yaseBabele base bethumela,
[14] bathuma bamkhipha uJeremiya egcekeni letilongo, bamnikeza kuGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani ukuba amyise ekhaya; wayesehlala phakathi kwabantu.

[15]Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya esavalelwe egcekeni letilongo, lithi:

[16] Vai e fala a Ebede-Meleque, o etíope, dizendo: Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Eis que eu trarei as minhas palavras sobre esta cidade para mal e não para bem; e se cumprirão diante de ti naquele dia.
[17] A ti, porém, eu livrarei naquele dia, diz o SENHOR, e não serás entregue nas mãos dos homens a quem temes.

[18] Pois certamente te salvarei, e não cairás à espada, porque a tua vida te será como despojo, porquanto confiaste em mim.

[16] Hamba ukhulume ku-Ebedi Meleki umKushe, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakwehlisela amazwi ami kulo muzi kube kubi, kungabi kuhle, abe ngaphambi kwakho ngalolo suku.
[17]Kepha ngiyakukophula ngalolo suku, usho uJehova, unganikelwa esandleni sabantu obesabayo.
[18]Ngokuba ngiyakukukhulula nokukukhulula, awuyikuwa ngenkemba, kepha ukuphila kwakho kuyakuba yimpango kuwe, ngokuba ungethembile, usho uJehova.

Jeremias 40

Jeremias e os restantes do povo ficam com Gedalias

[1] Palavra que veio a Jeremias da parte do SENHOR, depois que Nebuzaradã, o chefe da guarda, o pôs em liberdade em Ramá, estando ele atado com cadeias no meio de todos os do cativeiro de Jerusalém e de Judá, que foram levados cativos para a Babilônia.
[2] Tomou o chefe da guarda a Jeremias e lhe disse: O SENHOR, teu Deus, pronunciou este mal contra este lugar;
[3] o SENHOR o trouxe e fez como tinha dito. Porque pecastes contra o SENHOR e não obedecestes à sua voz, tudo isto vos sucedeu.
[4] Agora, pois, eis que te livrei hoje das cadeias que estavam sobre as tuas mãos. Se te apraz vir comigo para a Babilônia, vem, e eu cuidarei bem de ti; mas, se não

UJeremiya 40

UGedaliya

[1]Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, uNebuzaradani induna yabalindi esemvumele ukuba asuke eRama ngokumthatha eboshiwe ngamaketanga phakathi kwabo bonke abathunjwa baseJerusalema nakwaJuda ababeyakuthunjelwa eBabele.
[2]Induna yabalindi yamthatha uJeremiya, yathi kuye: UJehova uNkulunkulu wakho wakhuluma lokhu okubi kule ndawo;
[3]usekulethile uJehova, wakwenza njengokukhuluma kwakhe, ngokuba nonile kuJehova, kanililalelanga izwi lakhe; ngalokho le nto inehlele.
[4]Bheka, manje sengiyakukhulula namuhla emaketangeni asezandleni zakho. Uma kukuhle emehlweni akho ukuya nami eBabele, woza ngiyakukubheka; kepha

te apraz vir comigo para a Babilônia, deixa de vir. Olha, toda a terra está diante de ti; para onde julgares bom e próprio ir, vai para aí.

uma kukubi emehlweni akho ukuya nami eBabele, kuyeke; bheka, izwe lonke lisebusweni bakho; lapho kukuhle nalapho kulungile emehlweni akho ukuya khona, yiya lapho.

5 Mas, visto que ele tardava em decidir-se, o capitão lhe disse: Volta a Gedalias, filho de Aicão, filho de Safã, a quem o rei da Babilônia nomeou governador das cidades de Judá, e habita com ele no meio do povo; ou, se para qualquer outra parte te aprouver ir, vai. Deu-lhe o chefe da guarda mantimento e um presente e o deixou ir.

5Engakabuyi, yathi: Buyela kuGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani, inkosi yaseBabele emenze abe ngumbusi phezu kwemizi yakwaJuda, uhlale naye phakathi kwabantu; noma lapho kulungile emehlweni akho ukuya khona, yiya lapho. Induna yabalindi yayisimnika umphako nesipho, yamvumela ukuba ahambe.

6 Assim, foi Jeremias a Gedalias, filho de Aicão, a Mispa; e habitou com ele no meio do povo que havia ficado na terra.

6Wayesehamba uJeremiya, waya kuGedaliya, indodana ka-Ahikamu, eMispa, wahlala naye phakathi kwabantu ababesele ezweni.

7 Ouvindo, pois, os capitães dos exércitos que estavam no campo, eles e seus homens, que o rei da Babilônia nomeara governador da terra a Gedalias, filho de Aicão, e que lhe havia confiado os homens, as mulheres, os meninos e os mais pobres da terra que não foram levados ao exílio, para a Babilônia,

7Zonke izinduna zempi ezazisendle, zona nabantu bazo, sezizwile ukuthi inkosi yaseBabele imenzile uGedaliya indodana ka-Ahikamu umbusi ezweni nokuthi inikele kuye abesilisa, nabesifazane, nabantwana, nabayizimpofana bezwe abangathunjelwanga eBabele,

8 vieram ter com ele a Mispa, a saber: Ismael, filho de Netanias, Joanã e Jônatas, filhos de Careá, Seraías, filho de Tanumete, os filhos de Efai, o netofatita, Jezanias, filho do maacatita, eles e os seus homens.

8 zaya kuGedaliya eMispa: u-Ishmayeli indodana kaNethaniya, noJohanani noJonathani amadodana kaKhareya, noSeraya indodana kaThanihumeti, namadodana ka-Efayi waseNethofa, noJahazaniya indodana yomMahakha, bona nabantu babo.

9 Gedalias, filho de Aicão, filho de Safã, jurou a eles e aos seus homens e lhes disse: Nada temais da parte dos caldeus; ficai na

9UGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani wafunga kubo nakubantu babo, wathi: Ningesabi ukukhonza amaKaledi:

terra, servi ao rei da Babilônia, e bem vos irá.

10 Quanto a mim, eis que habito em Mispa, para estar às ordens dos caldeus que vierem a nós; vós, porém, colhei o vinho, as frutas de verão e o azeite, metei-os nas vossas vasilhas e habitai nas vossas cidades que tomastes.

11 Da mesma sorte, todos os judeus que estavam em Moabe, entre os filhos de Amom e em Edom e os que havia em todas aquelas terras ouviram que o rei da Babilônia havia deixado um resto de Judá e que havia nomeado governador sobre eles a Gedalias, filho de Aicão, filho de Safã;

12 então, voltaram todos eles de todos os lugares para onde foram lançados e vieram à terra de Judá, a Gedalias, a Mispa; e colheram vinho e frutas de verão em muita abundância.

Ismael conspira contra Gedalias

13 Joanã, filho de Careá, e todos os príncipes dos exércitos que estavam no campo vieram a Gedalias, a Mispa,

14 e lhe disseram: Sabes tu que Baalis, rei dos filhos de Amom, enviou a Ismael, filho de Netanias, para tirar-te a vida? Mas Gedalias, filho de Aicão, não lhes deu crédito.

15 Todavia, Joanã, filho de Careá, disse a Gedalias em segredo, em Mispa: Irei agora e matarei a Ismael, filho de Netanias, sem que ninguém o saiba; por que razão tiraria ele a tua vida, de maneira que todo o Judá

hlalani ezweni, niyikhonze inkosi yaseBabele, kuyakuba kuhle kini.

10Bhekani, mina ngiyakuhlala eMispa, ngiwakhonze lawo maKaledi ayakufika kithina, kepha nina, buthani iwayini, nezithelo, namafutha, nikubeke ezitsheni zenu, nihlale emizini yenu eniyithathileyo.

11Futhi lapho bonke abaJuda ababekwaMowabi, naphakathi kwabantwana bakwa-Amoni, nakwa-Edomi, nababesemazweni onke sebezwile ukuthi inkosi yaseBabele ishiyile insali kwaJuda nokuthi ibeke phezu kwabo uGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani ukuba abe ngumbusi phezu kwabo,

12bonke abaJuda babuya ezindaweni zonke ababexoshelwe kuzo, bafika ezweni lakwaJuda kuGedaliya eMispa, babutha kakhulu iwayini nezithelo.

13UJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazisendle beza kuGedaliya eMispa,

14bathi kuye: Uyazi yini ukuthi uBahalisi inkosi yabantwana bakwa-Amoni uthume u-Ishmayeli indodana kaNethaniya ukuba akubulale na? Kepha uGedaliya indodana ka-Ahikamu akabakholwanga.

15UJohanani indodana kaKhareya wakhuluma kuGedaliya eMispa ngasese, wathi: Mangihambe ngimbulale u-Ishmayeli indodana kaNethaniya, kungaziwa muntu; ubeyakukubulalelani,

que se tem congregado a ti fosse disperso, e viesse a perecer o resto de Judá?

[16] Mas disse Gedalias, filho de Aicão, a Joanã, filho de Careá: Não faças tal coisa, porque isso que falas contra Ismael é falso.

Jeremias 41

[1] Sucedeu, porém, que, no sétimo mês, veio Ismael, filho de Netanias, filho de Elisama, de família real, e dez homens, capitães do rei, com ele, a Gedalias, filho de Aicão, a Mispa; e ali comeram pão juntos, em Mispa.

[2] Dispuseram-se Ismael, filho de Netanias, e os dez homens que estavam com ele e feriram à espada a Gedalias, filho de Aicão, filho de Safã, matando, assim, aquele que o rei da Babilônia nomeara governador da terra.

[3] Também matou Ismael a todos os judeus que estavam com Gedalias, em Mispa, como também aos caldeus, homens de guerra, que se achavam ali.

[4] Sucedeu no dia seguinte ao em que ele matara a Gedalias, sem ninguém o saber,

[5] que vieram homens de Siquém, de Siló e de Samaria; oitenta homens, com a barba rapada, as vestes rasgadas e o corpo retalhado, trazendo consigo ofertas de manjares e incenso, para levarem à Casa do SENHOR.

[6] Saindo-lhes ao encontro Ismael, filho de Netanias, de Mispa, ia chorando; ao

ukuze bonke abaJuda ababuthene kuwe bahlakazake, insali yakwaJuda ichithwe, na?

[16]Kepha uGedaliya indodana ka-Ahikamu wathi kuJohanani indodana kaKhareya: Awuyikwenza le nto, ngokuba ukhuluma amanga ngo-Ishmayeli.

UJeremiya 41

[1] Kwathi ngenyanga yesikhombisa u-Ishmayeli indodana kaNethaniya ka-Elishama, wozalo lwenkosi nowezikhulu zenkosi, wafika namadoda ayishumi kuGedaliya indodana ka-Ahikamu eMispa, badla khona isinkwa kanyekanye eMispa.

[2]Wayesesuka u-Ishmayeli indodana kaNethaniya namadoda ayishumi ayenaye, bamshaya uGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani ngenkemba, bambulala, yena inkosi yaseBabele ebimenze umbusi ezweni.

[3]U-Ishmayeli wabulala nabo bonke abaJuda ababe naye uGedaliya eMispa, namaKaledi, amadoda empi ayefunyanwa khona.

[4]Kwathi ngosuku lwesibili esembulele uGedaliya, kungaziwa muntu,

[5]kwafika amadoda angamashumi ayisishiyagalombili evela eShekemi, naseShilo, naseSamariya, izilevu zawo ziphuculiwe nezingubo ziklejuliwe, bezisikile, bephethe iminikelo yempuphu nempepho ezandleni zabo ukuba bakulethe endlini kaJehova.

[6]U-Ishmayeli indodana kaNethaniya waphuma eMispa ukubahlangabeza,

encontrá-los, lhes disse: Vinde a Gedalias, filho de Aicão.

[7] Vindo eles, porém, até ao meio da cidade, matou-os Ismael, filho de Netanias, ele e os que estavam com ele, e os lançaram num poço.
[8] Mas houve dentre eles dez homens que disseram a Ismael: Não nos mates a nós, porque temos depósitos de trigo, cevada, azeite e mel escondidos no campo. Por isso, ele desistiu e não os matou como aos outros.

[9] O poço em que Ismael lançou todos os cadáveres dos homens que ferira além de Gedalias é o mesmo que fez o rei Asa, na sua defesa contra Baasa, rei de Israel; foi esse mesmo que encheu de mortos Ismael, filho de Netanias.

[10] Ismael levou cativo a todo o resto do povo que estava em Mispa, isto é, as filhas do rei e todo o povo que ficara em Mispa, que Nebuzaradã, o chefe da guarda, havia confiado a Gedalias, filho de Aicão; levou-os cativos Ismael, filho de Netanias; e se foi para passar aos filhos de Amom.

Joanã livra os cativos

[11] Ouvindo, pois, Joanã, filho de Careá, e todos os príncipes dos exércitos que estavam com ele todo o mal que havia feito Ismael, filho de Netanias,

ehamba ekhala. Kwathi lapho esehlangana nabo, wathi kubo: Ngenani kuGedaliya indodana ka-Ahikamu.
[7]Kwathi sebengenile phakathi komuzi, u-Ishmayeli indodana kaNethaniya wababulala, wabalahla emgodini, yena namadoda ayenaye.
[8]Kepha kwafunyanwa amadoda ayishumi phakathi kwabo asho ku-Ishmayeli, athi: Ungasibulali, ngokuba sinokolweni, nebhali, namafutha, nezinyosi okubekelelwe endle. Wayesebayeka, akababulalanga kanye nabafowabo.
[9] Umgodi u-Ishmayeli alahla kuwo zonke izidumbu zabantu ayebabulele wawungumgodi omkhulu owenziwa yinkosi u-Asa ngenxa kaBahasha inkosi ka-Israyeli; u-Ishmayeli indodana kaNethaniya wawugcwalisa ngababuleweyo.
[10]U-Ishmayeli wayesethumba bonke abantu abaseleyo eMispa, amadodakazi enkosi nabo bonke abantu ababesele eMispa, uNebuzaradani induna yabalindi ayebanikele kuGedaliya indodana ka-Ahikamu, yebo, u-Ishmayeli indodana kaNethaniya wabathumba, wahamba ukuba adlulele kubantwana bakwa-Amoni.

[11]Kepha lapho uJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazinaye sebezwile konke okubi u-Ishmayeli indodana kaNethaniya abekwenzile,

[12] tomaram consigo a todos os seus homens e foram pelejar contra Ismael, filho de Netanias; acharam-no junto às grandes águas que há em Gibeão.
[13] Ora, todo o povo que estava com Ismael se alegrou quando viu a Joanã, filho de Careá, e a todos os príncipes dos exércitos que vinham com ele.
[14] Todo o povo que Ismael levara cativo de Mispa virou as costas, voltou e foi para Joanã, filho de Careá.

[15] Mas Ismael, filho de Netanias, escapou de Joanã com oito homens e se foi para os filhos de Amom.

[16] Tomou, então, Joanã, filho de Careá, e todos os príncipes dos exércitos que estavam com ele a todo o restante do povo que Ismael, filho de Netanias, levara cativo de Mispa, depois de ter ferido a Gedalias, filho de Aicão, isto é, os homens valentes de guerra, as mulheres, os meninos e os eunucos que havia recobrado de Gibeão;

[17] partiram e pararam em Gerute-Quimã, que está perto de Belém, para dali entrarem no Egito,

[18] por causa dos caldeus; porque os temiam, por ter Ismael, filho de Netanias, ferido a Gedalias, filho de Aicão, a quem o rei da Babilônia nomeara governador da terra.

Jeremias 42

Jeremias exorta o povo a não ir ao Egito

[12] bathatha bonke abantu, baya ukulwa no-Ishmayeli indodana kaNethaniya, bamfumana ngasemanzini amaningi aseGibeyoni.
[13]Kwathi lapho bonke abantu ababe no-Ishmayeli bembona uJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazinaye, bathokoza.
[14]Base bephenduka bonke abantu u-Ishmayeli ayebathumbile eMispa, babuya, baya kuJohanani indodana kaKhareya.
[15]Kepha u-Ishmayeli indodana kaNethaniya waphunyuka kuJohanani enamadoda ayisishiyagalombili, waya kubantwana bakwa-Amoni.
[16]UJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazinaye base bethatha yonke insali yabantu ayeyibuyisile ku-Ishmayeli indodana kaNethaniya eMispa, yena esembulele uGedaliya indodana ka-Ahikamu, amadoda empi, nabesifazane, nabantwana, nabathenwa ayebabuyisile eGibeyoni.
[17] Bahamba, bahlala endaweni yokuphumula eKimihamu elingaseBetlehema ukuba bahambe, bangene eGibithe
[18]ngenxa yamaKaledi, ngokuba babewesaba, lokhu u-Ishmayeli indodana kaNethaniya ebembulele uGedaliya indodana ka-Ahikamu, inkosi yaseBabele eyamenza umbusi ezweni.

UJeremiya 42

Ukwehlela eGibithe

[1] Então, chegaram todos os capitães dos exércitos, e Joanã, filho de Careá, e Jezanias, filho de Hosaías, e todo o povo, desde o menor até ao maior,

[2] e disseram a Jeremias, o profeta: Apresentamos-te a nossa humilde súplica, a fim de que rogues ao SENHOR, teu Deus, por nós e por este resto; porque, de muitos que éramos, só restamos uns poucos, como vês com os teus próprios olhos;

[3] a fim de que o SENHOR, teu Deus, nos mostre o caminho por onde havemos de andar e aquilo que havemos de fazer.

[4] Respondeu-lhes Jeremias, o profeta: Já vos ouvi; eis que orarei ao SENHOR, vosso Deus, segundo o vosso pedido. Tudo o que o SENHOR vos responder, eu vo-lo declararei; não vos ocultarei nada.

[5] Então, eles disseram a Jeremias: Seja o SENHOR testemunha verdadeira e fiel contra nós, se não fizermos segundo toda a palavra com que o SENHOR, teu Deus, te enviar a nós outros.

[6] Seja ela boa ou seja má, obedeceremos à voz do SENHOR, nosso Deus, a quem te enviamos, para que nos suceda bem ao obedecermos à voz do SENHOR, nosso Deus.

[7] Ao fim de dez dias, veio a palavra do SENHOR a Jeremias.

[8] Então, chamou a Joanã, filho de Careá, e a todos os capitães dos exércitos que havia

[1]Zase zisondela zonke izinduna zempi, noJohanani indodana kaKhareya, noJezaniya indodana kaHoshaya, nabantu bonke abancane nabakhulu,

[2] zathi kuJeremiya umprofethi: Ukunxusa kwethu makwamukeleke ngaphambi kwakho, usikhulekele kuJehova uNkulunkulu wakho, unxusele yonke le nsali, ngokuba sisele singaba yingcosana kwabaningi, njengalokhu amehlo akho ekubona nje,

[3]ukuba uJehova uNkulunkulu wakho asibonise indlela esiyakuhamba ngayo, nalokhu esiyakukwenza.

[4]Wayesethi kubo uJeremiya umprofethi: Nginizwile; bhekani, ngiyakukhuleka kuJehova uNkulunkulu wenu njengamazwi enu; kuyakuthi noma yintoni uJehova ayakuniphendula ngayo, nginitshele yona, nginganigodleli lutho.

[5] Bathi kuJeremiya: UJehova makabe ngufakazi oqinisileyo nothembekileyo ngathi, uma singenzi njengamazwi onke uJehova uNkulunkulu wakho ayakukuthuma nawo kithi.

[6]Noma lilihle, noma lilibi, siyakulilandela izwi likaJehova uNkulunkulu wethu esikuthuma kuye ukuba kube kuhle kithi, lapho sililalela izwi likaJehova uNkulunkulu wethu.

[7]Kwathi emva kwezinsuku eziyishumi izwi likaJehova lafika kuJeremiya.

[8]Wayesembiza uJohanani indodana kaKhareya, nazo zonke izinduna zempi

com ele, e a todo o povo, desde o menor até ao maior,

[9] e lhes disse: Assim diz o SENHOR, Deus de Israel, a quem me enviastes para apresentar a vossa súplica diante dele:

[10] Se permanecerdes nesta terra, então, vos edificarei e não vos derribarei; plantar-vos-ei e não vos arrancarei, porque estou arrependido do mal que vos tenho feito.

[11] Não temais o rei da Babilônia, a quem vós temeis; não o temais, diz o SENHOR, porque eu sou convosco, para vos salvar e vos livrar das suas mãos.

[12] Eu vos serei propício, para que ele tenha misericórdia de vós e vos faça morar em vossa terra.

[13] Mas, se vós disserdes: Não ficaremos nesta terra, não obedecendo à voz do SENHOR, vosso Deus,

[14] dizendo: Não; antes, iremos à terra do Egito, onde não veremos guerra, nem ouviremos som de trombeta, nem teremos fome de pão, e ali ficaremos,

[15] nesse caso, ouvi a palavra do SENHOR, ó resto de Judá. Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Se tiverdes o firme propósito de entrar no Egito e fordes para morar,

[16] acontecerá, então, que a espada que vós temeis vos alcançará na terra do Egito, e a fome que receais vos seguirá de perto os passos no Egito, onde morrereis.

ezazinaye, nabo bonke abantu abancane nabakhulu, wathi kubo:

[9] Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli eningithume kuye ukubeka ukunxusa kwenu phambi kwakhe, uthi:

[10] Uma nihlala nokuhlala kuleli zwe, ngiyakunakha nginganidilizi, nginitshale nginganisiphuli, ngokuba ngiyazisola ngokubi engikwenzile kini.

[11]Ningayesabi inkosi yaseBabele eniyesabayo; ningayesabi, usho uJehova, ngokuba nginani ukuba nginisindise, nginophule esandleni sayo.

[12]Ngiyakuniphatha ngobubele ukuba inihawukele, inibuyisele ezweni lakini.

[13] Kepha uma nithi: Asiyikuhlala kuleli zwe, nize ningalilaleli izwi likaJehova uNkulunkulu wenu,

[14]nithi: Qha, ngokuba siyakuya ezweni laseGibithe, lapho singayikubona khona impi, singezwa ukukhala kwecilongo, singalambeli ukudla, sihlale khona,

[15]yizwa manje izwi likaJehova wena nsali yakwaJuda; usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Uma nibhekisa nokubhekisa ubuso benu ukuya eGibithe, nihambe ukuba nigogobale khona,

[16]inkemba eniyesabayo iyakunifica khona ezweni laseGibithe, indlala eninovalo ngayo inamathele kini lapho eGibithe, nifele khona.

[17] Assim será com todos os homens que tiverem o propósito de entrar no Egito para morar: morrerão à espada, à fome e de peste; não restará deles nem um, nem escapará do mal que farei vir sobre eles.

[18] Porque assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Como se derramou a minha ira e o meu furor sobre os habitantes de Jerusalém, assim se derramará a minha indignação sobre vós, quando entrardes no Egito; sereis objeto de maldição, de espanto, de desprezo e opróbrio e não vereis mais este lugar.

[19] Falou-vos o SENHOR, ó resto de Judá: Não entreis no Egito; tende por certo que vos adverti hoje.

[20] Porque vós, à custa da vossa vida, a vós mesmos vos enganastes, pois me enviastes ao SENHOR, vosso Deus, dizendo: Ora por nós ao SENHOR, nosso Deus; e, segundo tudo o que disser o SENHOR, nosso Deus, declara-no-lo assim, e o faremos;

[21] mas, tendo-vos declarado isso hoje, não destes ouvidos à voz do SENHOR, vosso Deus, em coisa alguma pela qual ele me enviou a vós outros.

[22] Agora, pois, sabei por certo que morrereis à espada, à fome e de peste no mesmo lugar aonde desejastes ir para morar.

Jeremias 43

Jeremias é levado ao Egito pelo povo

[17]Kuyakuba njalo bonke abantu ababhekisa ubuso babo ukuya eGibithe ukuba bagogobale khona; bayakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo, kungabikho kubo oyakusala, aphunyuke ebubini engiyakubehlisela phezu kwabo.

[18] Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Njengalokhu intukuthelo yami nokufutheka kwami kuthululelwe phezu kwabakhileyo eJerusalema, kanjalo ukufutheka kwami kuyakuthululelwa phezu kwenu, nxa ningena eGibithe, nibe yisithuko, nesimangaliso nesiqalekiso, nehlazo, ningabe nisayibona le ndawo.

[19] UJehova ukhulumile ngani ukuthi: Wena nsali yakwaJuda, ungayi eGibithe; yazi nokwazi ukuthi ngifakazile kini namuhla.

[20]Ngokuba nazidukisa, lapho nangithuma kuJehova uNkulunkulu wenu ukuthi: Sinxusele kuJehova uNkulunkulu wethu, usitshele konke ayakukusho uJehova uNkulunkulu wethu, siyakukwenza.

[21]Namuhla senginitshelile, kepha anililalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wenu nakokukodwa angithume ngakho kini.

[22]Ngalokho yazini nokwazi ukuthi niyakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo endaweni enifisa ukuya kuyo ukuba nigogobale khona.

UJeremiya 43

[1] Tendo Jeremias acabado de falar a todo o povo todas as palavras do SENHOR, seu Deus, palavras todas com as quais o SENHOR, seu Deus, o enviara,

[2] então, falou Azarias, filho de Hosaías, e Joanã, filho de Careá, e todos os homens soberbos, dizendo a Jeremias: É mentira isso que dizes; o SENHOR, nosso Deus, não te enviou a dizer: Não entreis no Egito, para morar.

[3] Baruque, filho de Nerias, é que te incita contra nós, para nos entregar nas mãos dos caldeus, a fim de nos matarem ou nos exilarem na Babilônia.

[4] Não obedeceu, pois, Joanã, filho de Careá, e nenhum de todos os capitães dos exércitos, nem o povo todo à voz do SENHOR, para ficarem na terra de Judá.

[5] Antes, tomaram Joanã, filho de Careá, e todos os capitães dos exércitos a todo o resto de Judá que havia voltado dentre todas as nações para as quais haviam sido lançados, para morar na terra de Judá;

[6] tomaram aos homens, às mulheres e aos meninos, às filhas do rei e a todos que Nebuzaradã, o chefe da guarda, deixara com Gedalias, filho de Aicão, filho de Safã; como também a Jeremias, o profeta, e a Baruque, filho de Nerias;

[7] e entraram na terra do Egito, porque não obedeceram à voz do SENHOR, e vieram até Tafnes.

[1]Kwathi lapho uJeremiya eseqedile ukukhuluma kubantu bonke onke amazwi kaJehova uNkulunkulu wabo, uJehova uNkulunkulu wabo amthume nawo kubo, onke lawa mazwi,

[2]kwakhuluma u-Azariya indodana kaHoshaya, noJohanani indodana kaKhareya, nabantu bonke abaziqhenyayo, bathi kuJeremiya: Ukhuluma amanga; uJehova uNkulunkulu wethu akakuthumanga ukuba uthi: Aniyikuya eGibithe ukuba nigogobale khona,

[3]kepha uBaruki indodana kaNeriya ukuqhathanisa nathi ukuba sinikelwe esandleni samaKaledi, ukuze asibulale, asithumbele eBabele.

[4]UJohanani indodana kaKhareya, nazo zonke izinduma zempi, nabantu bonke abalilalelanga izwi likaJehova lokuba bahlale ezweni lakwaJuda.

[5] Kepha uJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi bayithatha yonke insali yakwaJuda eyayibuye ezizweni zonke eyayixoshelwe kuzo ukuba igogobale ezweni lakwaJuda,

[6] abesilisa, nabesifazane, nabantwana, namadodakazi enkosi, nabo bonke abantu uNebuzaradani induna yabalindi ayebashiyile kuGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani, noJeremiya umprofethi, noBaruki indodana kaNeriya,

[7]bafika ezweni laseGibithe, ngokuba babengalilalelí izwi likaJehova; bafika eThahipanesi.

Jeremias profetiza a conquista do Egito por Nabucodonosor

[8] Então, veio a palavra do SENHOR a Jeremias, em Tafnes, dizendo:

[9] Toma contigo pedras grandes, encaixa-as na argamassa do pavimento que está à entrada da casa de Faraó, em Tafnes, à vista de homens judeus,

[10] e dize-lhes: Assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Eis que eu mandarei vir a Nabucodonosor, rei da Babilônia, meu servo, e porei o seu trono sobre estas pedras que encaixei; ele estenderá o seu baldaquino real sobre elas.

[11] Virá e ferirá a terra do Egito; quem é para a morte, para a morte; quem é para o cativeiro, para o cativeiro; e quem é para a espada, para a espada.

[12] Lançará fogo às casas dos deuses do Egito e as queimará; levará cativos os ídolos e despiolhará a terra do Egito, como o pastor despiolha a sua própria veste; e sairá dali em paz.

[13] Quebrará as colunas de Bete-Semes na terra do Egito e queimará as casas dos deuses do Egito.

[8]Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya eThahipanesi, lithi:

[9] Thatha ngesandla sakho amatshe amakhulu, uwashiqele odakeni kuhonela ongasemnyango wendlu kaFaro eThahipanesi emehlweni abantu bakwaJuda,

[10]uthi kubo: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakuthumela ukuba ngimbambe uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, inceku yami, ngibeke isihlalo sakhe sobukhosi phezu kwalawa matshe engiwashiqeleyo, uyakweneka isivikelo sakhe phezu kwawo.

[11] Uyakufika, ashaye izwe laseGibithe, abokufa babe ngabokufa, abokuthunjwa babe ngabokuthunjwa, abenkemba babe ngabenkemba.

[12] Ngiyakuphemba umlilo uyakuzishisa, athumbe onkulunkulu, embathe izwe laseGibithe njengomalusi embatha ingubo yakhe, aphume eGibithe ngokuthula.

[13]Uyakwaphula izinsika zaseBeti Shemeshi elisezweni laseGibithe; izindlu zawonkulunkulu baseGibithe uyakuzishisa ngomlilo.

Jeremias 44

Repreendida a infidelidade dos judeus no Egito

[1] Palavra que veio a Jeremias, acerca de todos os judeus moradores da terra do Egito, em Migdol, em Tafnes, em Mênfis e na terra de Patros, dizendo:

UJeremiya 44

UJeremiya uyancenga abaJuda eGibithe

[1]Izwi elafika kuJeremiya ngabaJuda bonke ababehlala ezweni laseGibithe, ababehlala eMigidoli, naseThahipanesi, naseNofi, nasezweni lasePhatirosi, lathi:

[2] Assim diz o SENHOR dos Exércitos, Deus de Israel: Vistes todo o mal que fiz cair sobre Jerusalém e sobre todas as cidades de Judá; e eis que hoje são elas uma desolação, e ninguém habita nelas,

[3] por causa da maldade que fizeram, para me irarem, indo queimar incenso e servir a outros deuses que eles nunca conheceram, eles, vós e vossos pais.

[4] Todavia, começando eu de madrugada, lhes enviei os meus servos, os profetas, para lhes dizer: Não façais esta coisa abominável que aborreço.

[5] Mas eles não obedeceram, nem inclinaram os ouvidos para se converterem da sua maldade, para não queimarem incenso a outros deuses.

[6] Derramou-se, pois, a minha indignação e a minha ira, acenderam-se nas cidades de Judá e nas ruas de Jerusalém, que se tornaram em deserto e em assolação, como hoje se vê.

[7] Agora, pois, assim diz o SENHOR, Deus dos Exércitos, o Deus de Israel: Por que fazeis vós tão grande mal contra vós mesmos, eliminando homens e mulheres, crianças e aqueles que mamam do meio de Judá, a fim de que não vos fique resto algum?

[8] Por que me irritais com as obras de vossas mãos, queimando incenso a outros deuses na terra do Egito, aonde viestes para morar, para que a vós mesmos vos elimineis e para que vos torneis objeto de

[2] Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Nikubonile konke okubi engikwehlisele phezu kweJerusalema naphezu kwayo yonke imizi yakwaJuda; bhekani, namuhla iyincithakalo, akakho ohlala kuyo

[3]ngenxa yobubi babo ababenzileyo ukuba bangicunule, behamba beshisa impepho, bekhonza abanye onkulunkulu abangabazanga bona, nani, nawoyihlo.

[4] Kepha ngathuma kini zonke izinceku zami abaprofethi, ngizithuma njalonjalo, ngathi: Maningenzi le nto enengekayo engiyizondayo.

[5]Kepha abalalelanga, ababekanga izindlebe zabo ukuba babuye ebubini babo, bangashiseli abanye onkulunkulu impepho.

[6]Kwase kuthululwa ukufutheka kwami nentukuthelo yami, kwavutha emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, kwaba yincithakalo nokuchitheka njenganamuhla.

[7] Manje usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Nenzelani lokhu okubi okukhulu kuyo imiphefumulo yenu, ninqume kini abesilisa nabesifazane, izingane nabancelayo phakathi kukaJuda, nize ningashiyelwa nsali,

[8]ngokungicunula ngemisebenzi yezandla zenu, nishisela abanye onkulunkulu impepho ezweni laseGibithe, lapho niyile khona ukugogobala, ukuba ninqunywe,

desprezo e de opróbrio entre todas as nações da terra?

9 Esquecestes já as maldades de vossos pais, as maldades dos reis de Judá, as maldades das suas mulheres, as vossas maldades e as maldades das vossas mulheres, maldades cometidas na terra de Judá e nas ruas de Jerusalém?

10 Não se humilharam até ao dia de hoje, não temeram, não andaram na minha lei nem nos meus estatutos, que pus diante de vós e diante de vossos pais.

11 Portanto, assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: Eis que voltarei o rosto contra vós outros para mal e para eliminar a todo o Judá.

12 Tomarei o resto de Judá que se obstinou em entrar na terra do Egito para morar, onde será ele de todo consumido; cairá à espada e à fome; desde o menor até ao maior perecerão; morrerão à espada e à fome; e serão objeto de maldição, espanto, desprezo e opróbrio.

13 Porque castigarei os que habitam na terra do Egito, como o fiz a Jerusalém, com a espada, a fome e a peste,

14 de maneira que, dos restantes de Judá que vieram à terra do Egito para morar, não haverá quem escape e sobreviva para tornar à terra de Judá, à qual desejam voltar para morar; mas não tornarão senão alguns fugitivos.

Jeremias é contraditado

nibe yisiqalekiso nehlazo phakathi kwezizwe zonke zomhlaba, na?

9Nikhohliwe yini ububi bukayihlo, nobubi bamakhosi akwaJuda, nobubi bamakhosikazi awo, nobubi benu, nobubi bawomkenu ababebenza ezweni lakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, na?

10Abazithobanga kuze kube namuhla, abesabanga, abahambanga ngomthetho wami nangezimiso zami engikubeke phambi kwenu naphambi kwawoyihlo.

11 Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakubhekisa ubuso bami kini kube kubi, kunqunywe uJuda wonke.

12 Ngiyakuthatha insali yakwaJuda ebhekise ubuso bayo ukuba ingene ezweni laseGibithe ukuba igogobale khona, baphele bonke, bawe ezweni laseGibithe, baphele ngenkemba nangendlala, abakhulu nabancane bafe ngenkemba nangendlala, babe yisithuko, nesimangaliso, nesiqalekiso, nehlazo.

13Ngiyakubajezisa abahlala ezweni laseGibithe, njengalokho ngilijezisile iJerusalema, ngenkemba, nangendlala, nangesifo,

14kungaphunyuki, kungasali muntu ensalini yakwaJuda eye ezweni laseGibithe ukuba igogobale khona ukubuyela ezweni lakwaJuda, efisa ukubuyela kulo ukuba ihlale khona, ngokuba akuyikubuya muntu, abaphunyukileyo bodwa.

[15] Então, responderam a Jeremias todos os homens que sabiam que suas mulheres queimavam incenso a outros deuses e todas as mulheres que se achavam ali em pé, grande multidão, como também todo o povo que habitava na terra do Egito, em Patros, dizendo:

[15]Ayesephendula uJeremiya onke amadoda ayekwazi ukuthi omkawo bashisela abanye onkulunkulu impepho nabo bonke abesifazane ababemi khona, ibandla elikhulu, bonke abantu ababehlala ezweni laseGibithe ePhatirosi; bathi:

[16] Quanto à palavra que nos anunciaste em nome do SENHOR, não te obedeceremos a ti;

[16] Izwi olikhulume kithi egameni likaJehova asiyikulilalela.

[17] antes, certamente, toda a palavra que saiu da nossa boca, isto é, queimaremos incenso à Rainha dos Céus e lhe ofereceremos libações, como nós, nossos pais, nossos reis e nossos príncipes temos feito, nas cidades de Judá e nas ruas de Jerusalém; tínhamos fartura de pão, prosperávamos e não víamos mal algum.

[17] Kepha siyakwenza nokwenza onke amazwi aphumile emilonyeni yethu, sishisele inkosikazi yezulu impepho, siyithululele iminikelo yokuphuzwa, njengalokho senzile, thina nawobaba, namakhosi ethu, nezikhulu zethu emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, ngokuba sasisuthi isinkwa, sahlala kahle, asabona okubi.

[18] Mas, desde que cessamos de queimar incenso à Rainha dos Céus e de lhe oferecer libações, tivemos falta de tudo e fomos consumidos pela espada e pela fome.

[18]Kepha selokhu sayeka ukushisela inkosikazi yezulu impepho nokuyithululela iminikelo yokuphuzwa, siswele konke, siqedwe ngenkemba nangendlala.

[19] Quando queimávamos incenso à Rainha dos Céus e lhe oferecíamos libações, acaso, lhe fizemos bolos que a retratavam e lhe oferecemos libações, sem nossos maridos?

[19] Lapho sesishisela inkosikazi yezulu impepho, siyithululele iminikelo yokuphuzwa, siyenzela amaqebelengwane anesithombe sayo, siyithululelele iminikelo yokuphuzwa ngaphandle kwamadoda ethu, na?

Jeremias prediz castigo

[20] Então, disse Jeremias a todo o povo, aos homens e às mulheres, a todo o povo que lhe tinha dado esta resposta, dizendo:

[20]UJeremiya washo kubantu bonke, kwabesilisa nakwabesifazane, kubo bonke abantu abamphendule kanjalo, wathi:

[21] Quanto ao incenso que queimastes nas cidades de Judá e nas ruas de Jerusalém,

[21] Impepho enayishisa emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema nina

vós e vossos pais, os vossos reis e os vossos príncipes e o povo da terra, acaso, não se lembrou disso o SENHOR, nem lhe andou isso pela mente?

nawoyihlo, namakhosi enu, nezikhulu zenu, nabantu bezwe, uJehova akayikhumbulanga, ayingenanga enhliziyweni yakhe, na?

[22] O SENHOR já não podia por mais tempo sofrer a maldade das vossas obras, as abominações que cometestes; pelo que a vossa terra se tornou deserta, um objeto de espanto e de desprezo e desabitada, como hoje se vê.

[22]UJehova wayengasenakuthwala okubi kwemisebenzi yenu nezinengiso zenu enizenzileyo; ngalokho izwe lakini seliyincithakalo, nesimangaliso, nesiqalekiso, kungekho owakhile kulo njenganamuhla.

[23] Pois queimastes incenso e pecastes contra o SENHOR, não obedecestes à voz do SENHOR e na sua lei e nos seus testemunhos não andastes; por isso, vos sobreveio este mal, como hoje se vê.

[23]Ngokuba niyishisile impepho nangokuba nonile kuJehova, ningalilalelanga izwi likaJehova, ningahambanga ngomthetho wakhe, nangezimiso zakhe, nangobufakazi bakhe, ngalokho le ngozi ihlangabezene nani njenganamuhla.

[24] Disse mais Jeremias a todo o povo e a todas as mulheres: Ouvi a palavra do SENHOR, vós, todo o Judá, que estais na terra do Egito:

[24]UJeremiya wathi futhi kubantu bonke nakubo bonke abesifazane: Yizwani izwi likaJehova nina nonke bakwaJuda enisezweni laseGibithe.

[25] Assim fala o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel, dizendo: Vós e vossas mulheres não somente fizestes por vossa boca, senão também que cumpristes por vossas mãos os vossos votos, a saber: Certamente cumpriremos os nossos votos, que fizemos, de queimar incenso à Rainha dos Céus e de lhe oferecer libações. Confirmai, pois, perfeitamente, os vossos votos, sim, cumpri-os.

[25]Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Nina nawomkenu nikhulumile ngemilomo yenu, nakugcwalisa ngezandla zenu, nathi: Siyakugcwalisa nokugcwalisa izithembiso zethu esizenzileyo zokushisela inkosikazi yezulu impepho nokuyithululela iminikelo yokuphuzwa. Qinisani nokuqinisa izithembiso zenu, nigcwalise nokugcwalisa izithembiso zenu.

[26] Portanto, ouvi a palavra do SENHOR, vós, todo o Judá, que habitais na terra do Egito: Eis que eu juro pelo meu grande

[26]Ngalokho yizwani izwi likaJehova nina nonke bakwaJuda enihlala ezweni laseGibithe: Bhekani, ngifungile igama

nome, diz o SENHOR, que nunca mais será pronunciado o meu nome por boca de qualquer homem de Judá em toda a terra do Egito, dizendo: Tão certo como vive o SENHOR Deus.

[27] Eis que velarei sobre eles para mal e não para bem; todos os homens de Judá que estão na terra do Egito serão consumidos à espada e à fome, até que se acabem de todo.

[28] Os que escaparem da espada tornarão da terra do Egito à terra de Judá, poucos em número; e todos os restantes de Judá que vieram à terra do Egito para morar saberão se subsistirá a minha palavra ou a sua.

[29] Isto vos será sinal de que eu vos castigarei neste lugar, diz o SENHOR, para que saibais que certamente subsistirão as minhas palavras contra vós outros para mal.

[30] Eis o sinal, diz o SENHOR: Eu entregarei o Faraó-Hofra, rei do Egito, nas mãos de seus inimigos, nas mãos dos que procuram a sua morte, como entreguei Zedequias, rei de Judá, nas mãos de Nabucodonosor, rei da Babilônia, que era seu inimigo e procurava tirar-lhe a vida.

Jeremias 45

A mensagem de Jeremias a Baruque

[1] Palavra que falou Jeremias, o profeta, a Baruque, filho de Nerias, escrevendo ele aquelas palavras num livro, ditadas por

lami elikhulu, usho uJehova, Ukuthi igama lami alisayikubizwa mlomo wamuntu wakwaJuda ezweni lonke laseGibithe ukuthi: Kuphila kukaJehova.

[27] Bheka, ngiyabalinda kube kubi, kungabi kuhle; bonke abantu bakwaJuda abasezweni laseGibithe bayakuphela ngenkemba nangendlala, baze baqedwe.

[28]Abaphunyuka enkembeni bayakubuya ezweni laseGibithe, babuyele ezweni lakwaJuda, bengaba yingcosana ngomumo; yonke insali yakwaJuda eye ezweni laseGibithe ukuba igogobale khona iyakwazi ukuthi yiliphi izwi eliyakuma, elami noma elabo.

[29] Lesi siyakuba yisibonakaliso kini, usho uJehova, Ukuthi ngiyakunijezisa kule ndawo ukuba nazi ukuthi amazwi ami ayakuma amelane nani kube kubi.

[30] Usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiyakunikela uFaro uHofira inkosi yaseGibithe esandleni sezitha zakhe nasesandleni sabafuna ukuphila kwakhe, njengalokho nganikela uSedekiya inkosi yakwaJuda esandleni sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele, isitha sakhe esasifuna ukuphila kwakhe.

UJeremiya 45

Isiprofetho ngoBaruki

[1] Izwi uJeremiya, umprofethi, alikhuluma kuBaruki, indodana kaNeriya, ekulobeni kwakhe lawa mazwi encwadini,

Jeremias, no ano quarto de Jeoaquim, filho de Josias, rei de Judá, dizendo:

[2] Assim diz o SENHOR, Deus de Israel, acerca de ti, ó Baruque:

[3] Disseste: Ai de mim agora! Porque me acrescentou o SENHOR tristeza ao meu sofrimento; estou cansado do meu gemer e não acho descanso.

[4] Assim lhe dirás: Isto diz o SENHOR: Eis que estou demolindo o que edifiquei e arrancando o que plantei, e isto em toda a terra.

2 Enviarei padejadores contra a Babilônia, que a padejarão e despojarão a sua terra; porque virão contra ela em redor no dia da calamidade.

3 O flecheiro arme o seu arco contra o que o faz com o seu e contra o que presume da sua couraça; não poupeis os seus jovens, destruí de todo o seu exército.

4 Caiam mortos na terra dos caldeus e atravessados pelas ruas!

5 Porque Israel e Judá não enviuvaram do seu Deus, do SENHOR dos Exércitos; mas a terra dos caldeus está cheia de culpas perante o Santo de Israel.

6 Fugi do meio da Babilônia, e cada um salve a sua vida; não pereçais na sua maldade; porque é tempo da vingança do SENHOR: ele lhe dará a sua paga.

7 A Babilônia era um copo de ouro na mão do SENHOR, o qual embriagava a toda a terra; do seu vinho beberam as nações; por isso, enlouqueceram.

46Ngomsindo wokuthathwa kweBabele umhlaba uyazamazama, ukukhala kuzwakale phakathi kwezizwe.

UJeremiya 51

1Usho kanje uJehova, uthi: Ngiyakuvusela iBabele nabakhileyo eLebi Khamayi umoya womchithi.

2Ngiyakuthuma abelayo eBabele, balele, balithulule, ngokuba ngosuku lobubi bayakuba kulo nxazonke.

3Ocibishelayo uyakunsala umnsalo kogoba umnsalo khona, nakuye oziphakamisa ngebhantshi lakhe lensimbi; ningasindisi izinsizwa zalo, niqede nya impi yalo yonke.

4Bayakuwa bebulewe ezweni lamaKaledi, begwaziwe ezitaladini zalo.

5Ngokuba o-Israyeli noJuda abashiywanga nguNkulunkulu wabo, uJehova Sebawoti, noma izwe labo ligcwele icala koNgcwele ka-Israyeli.

6 Balekani eBabele, yilowo nalowo akhulule ukuphila kwakhe, ninganqunywa ngokona kwalo, ngokuba kuyisikhathi sempindiselo kaJehova, uyakuliphindisela.

7 IBabele beliyindebe yegolide esandleni sikaJehova eyadakisa umhlaba wonke; izizwe zaliphuza iwayini lalo, ngalokho izizwe ziyahlanya.

[8] Repentinamente, caiu Babilônia e ficou arruinada; lamentai por ela, tomai bálsamo para a sua ferida; porventura, sarará.

[9] Queríamos curar Babilônia, ela, porém, não sarou; deixai-a, e cada um vá para a sua terra; porque o seu juízo chega até ao céu e se eleva até às mais altas nuvens.

[10] O SENHOR trouxe a nossa justiça à luz; vinde, e anunciemos em Sião a obra do SENHOR, nosso Deus.

[11] Aguçai as flechas! Preparai os escudos! O SENHOR despertou o espírito dos reis dos medos; porque o seu intento contra a Babilônia é para a destruir; pois esta é a vingança do SENHOR, a vingança do seu templo.

[12] Arvorai estandarte contra os muros de Babilônia, reforçai a guarda, colocai sentinelas, preparai emboscadas; porque o SENHOR intentou e fez o que tinha dito acerca dos moradores da Babilônia.

[13] Ó tu que habitas sobre muitas águas, rica de tesouros! Chegou o teu fim, a medida da tua avareza.

[14] Jurou o SENHOR dos Exércitos por si mesmo, dizendo: Encher-te-ei certamente de homens, como de gafanhotos, e eles cantarão sobre ti o eia! dos que pisam as uvas.

[15] Ele fez a terra pelo seu poder; estabeleceu o mundo por sua sabedoria e com a sua inteligência estendeu os céus.

[8] IBabele seliwile ngokuzumayo, lachithwa; hhewulani ngalo, nithathele ubuhlungu balo ibhalisamu; mhlawumbe lingaphiliswa.

[9] Besiyakuliphilisa iBabele, kepha aliphiliswanga; lishiyeni, masihambe siye, kube yilowo nalowo ezweni lakubo, ngokuba ukwahlulelwa kwalo kufinyelela ezulwini, kuphakanyisiwe nasemafwini.

[10] UJehova uvezile imfanelo yethu; wozani silande eSiyoni umsebenzi kaJehova uNkulunkulu wethu.

[11] Lolani imicibisholo, nibambe izihlangu. UJehova uvusile umoya wamakhosi aseMediya, ngokuba icebo lakhe ngeBabele lingukuba alichithe, ngokuba lokhu kuyimpindiselo kaJehova, impindiselo ngethempeli lakhe.

[12]Misani ibhanela ngasezingangeni zaseBabele, niqinise umlindo, nimise abalindi, nihlele abaqamekeli, ngokuba uJehova ukuhlosile, futhi wakwenza lokho owakukhuluma kwabakhileyo eBabele.

[13] Wena ohlala ngasemanzini amakhulu, nonengcebo eningi, sekufikile ukugcina kwakho, isilinganiso sokuhaha kwakho.

[14]UJehova Sebawoti uzifungile wathi: Noma ngikugcwalisile ngabantu njengangezinkumbi, bayakuhalalisa nokho ngawe.

[15] Wawenza umhlaba ngamandla akhe, walimisa izwe ngokuhlakanipha kwakhe, ngokuqonda kwakhe waleneka izulu.

[16] Fazendo ele ribombar o trovão, logo há tumulto de águas no céu, e sobem os vapores das extremidades da terra; ele cria os relâmpagos para a chuva e dos seus depósitos faz sair o vento.

[17] Todo homem se tornou estúpido e não tem saber; todo ourives é envergonhado pela imagem que esculpiu; pois as suas imagens são mentira, e nelas não há fôlego.

[18] Vaidade são, obra ridícula; no tempo do seu castigo, virão a perecer.

[19] Não é semelhante a estas aquele que é a Porção de Jacó; porque ele é o criador de todas as coisas, e Israel é a tribo da sua herança; SENHOR dos Exércitos é o seu nome.

[20] Tu, Babilônia, eras meu martelo e minhas armas de guerra; por meio de ti, despedacei nações e destruí reis;

[21] por meio de ti, despedacei o cavalo e o seu cavaleiro; despedacei o carro e o seu cocheiro;

[22] por meio de ti, despedacei o homem e a mulher, despedacei o velho e o moço, despedacei o jovem e a virgem;

[23] por meio de ti, despedacei o pastor e o seu rebanho, despedacei o lavrador e a sua junta de bois, despedacei governadores e vice-reis.

[24] Pagarei, ante os vossos próprios olhos, à Babilônia e a todos os moradores da

[16]Lapho elizwakalisa izwi lakhe, kungukuhlokoma kwamanzi ezulwini; uzikhuphula izinkungu emikhawulweni yomhlaba, enzele imvula unyazi, awukhiphe umoya endlini yengcebo.

[17] Bonke abantu bayiziphukuphuku, abanakwazi, bonke abakhandi bajabhiswa nezithombe zabo ezibaziweyo, ngokuba izithombe zabo ezibunjiweyo zingamanga, nomoya awukho kuzo.

[18]Ziyize, zingumsebenzi wenkohliso; ngesikhathi sokuhanjelwa kwabo ziyakubhubha.

[19]Oyisabelo sikaJakobe akanjengalezo, ngokuba nguye obumbile konke, yebo, nesizwe sefa lakhe; nguJehova Sebawoti igama lakhe.

[20] Uyizembe lami nezikhali zokulwa; ngiyaphahlaza izizwe ngawe, ngawe ngiyachitha imibuso,

[21]ngiphahlaze ngawe ihhashi nenkweli yalo, ngiphahlaze ngawe inqola nohamba ngayo;

[22]ngiphahlaze ngawe abesilisa nabesifazane, ngiphahlaze ngawe abadala nabasha, ngiphahlaze ngawe izinsizwa nezintombi;

[23]ngiphahlaze ngawe umalusi nomhlambi wakhe, ngiphahlaze ngawe umlimi namabhanga akhe, ngiphahlaze ngawe izinduna nababusi.

[24] Ngiyakuphindisela iBabele nabo bonke abakhileyo eKalideya konke okubi kwabo

Caldéia toda a maldade que fizeram em Sião, diz o SENHOR.

25 Eis que sou contra ti, ó monte que destróis, diz o SENHOR, que destróis toda a terra; estenderei a mão contra ti, e te revolverei das rochas, e farei de ti um monte em chamas.

26 De ti não se tirarão pedras, nem para o ângulo nem para fundamentos, porque te tornarás em desolação perpétua, diz o SENHOR.

27 Arvorai estandarte na terra, tocai trombeta entre as nações, consagrai as nações contra ela, convocai contra ela os reinos de Ararate, Mini e Asquenaz; ordenai contra ela chefes, fazei subir cavalos como gafanhotos eriçados.

28 Consagrai contra ela as nações, os reis dos medos, os seus governadores, todos os seus vice-reis e toda a terra do seu domínio.

29 Estremece a terra e se contorce em dores, porque cada um dos desígnios do SENHOR está firme contra Babilônia, para fazer da terra da Babilônia uma desolação, sem que haja quem nela habite.

30 Os valentes da Babilônia cessaram de pelejar, permanecem nas fortalezas, desfaleceu-lhes a força, tornaram-se como mulheres; estão em chamas as suas moradas, quebrados, os seus ferrolhos.

31 Sai um correio ao encontro de outro correio, um mensageiro ao encontro de outro mensageiro, para anunciar ao rei da

abakwenzile eSiyoni emehlweni enu, usho uJehova.

25 Bheka, ngimelene nawe ntaba echithayo, usho uJehova, wena ochitha wonke umhlaba; ngiyakwelulela isandla sami kuwe, ngikugingqe emadwaleni, ngikwenze intaba eshisiweyo.

26Abayikuthatha kuwe itshe legumbi netshe lesisekelo, ngokuba uyakuba yincithakalo kuze kube phakade, usho uJehova.

27 Misani ibhanela ezweni, nibethe amacilongo phakathi kwezizwe, ningcwelise izizwe ukuba zilwe nalo, nilibizele imibuso yase-Ararati, naseMini, nase-Ashikenaze, nibeke phezu kwalo umphathi wempi, nikhuphuke namahhashi anjengezinkumbi ezimahaye.

28Lingcweliseleni izizwe, amakhosi aseMediya, nezinduna zalo, nababusi balo, nalo lonke izwe elibuswa yibo.

29Umhlaba uyathuthumela, uqhaqhazele, ngokuba amacebo kaJehova ngeBabele emi okuba enze izwe laseBabele libe yincithakalo, kuze kungabikho ohlala khona.

30 Amaqhawe aseBabele ayekile ukulwa, ahlala ezinqabeni zawo; amandla awo aphelile, anjengabesifazane; izindlu zalo zishisiwe, imigoqo yalo yaphuliwe.

31Isigijimi siyagijma, sihlangane nesinye, umbiki uhlangana nombiki ukutshela

Babilônia que a sua cidade foi tomada de todos os lados;

[32] que os vaus estão ocupados, e as defesas, queimadas, e os homens de guerra, amedrontados.

[33] Porque assim diz o SENHOR dos Exércitos, o Deus de Israel: A filha da Babilônia é como a eira quando é aplanada e pisada; ainda um pouco, e o tempo da ceifa lhe virá.

[34] Nabucodonosor, rei da Babilônia, nos devorou, esmagou-nos e fez de nós um objeto inútil; como monstro marinho, nos tragou, encheu a sua barriga das nossas comidas finas e nos arrojou fora.

[35] A violência que se me fez a mim e à minha carne caia sobre a Babilônia, diga a moradora de Sião; o meu sangue caia sobre os moradores da Caldéia, diga Jerusalém.

[36] Pelo que assim diz o SENHOR: Eis que pleitearei a tua causa e te vingarei da vingança que se tomou contra ti; secarei o seu mar e farei que se esgote o seu manancial.

[37] Babilônia se tornará em montões de ruínas, morada de chacais, objeto de espanto e assobio, e não haverá quem nela habite.

[38] Ainda que juntos rujam como leões e rosnem como cachorros de leões,

[39] estando eles esganados, preparar-lhes-ei um banquete, embriagá-los-ei para que se

inkosi yaseBabele ukuthi umuzi wayo unqotshiwe nxazonke.

[32]Amazibuko avinjiwe, umhlanga ushisiwe ngomlilo, amadoda empi ayesaba.

[33]Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Indodakazi yaseBabele injengesibuya ngesikhathi sokunyathelwa kwaso; kuse yisikhashana, sizakufika kuyo isikhathi sokuvuna.

[34]UNebukadinesari, inkosi yaseBabele ungidlile wangiqeda; ungenze isitsha esingenalutho, wangigwinya njengodrako; ugcwalisile isisu sakhe ngokumnandi kwami, wangixosha.

[35] Ubudlova engenzelwe bona mina nabayinyama yami mabube phezu kweBabele, makasho njalo owakhileyo eSiyoni. Igazi lami malibe phezu kwabakhileyo eKalideya; malisho njalo iJerusalema.

[36]Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakumela indaba yakho, ngikuphindisele, ngishise ulwandle lwalo, ngomise umthombo walo.

[37]IBabele liyakuba yizinqwaba, nendawo yokuhlala kwamakhanka, nencithakalo, nento encimfelwayo, kungabikho ohlala khona.

[38]Bayabhonga kanyekanye njengezingonyama, bakhale njengamabhongo ezingonyama.

[39]Sebevuthile, ngiyakubenzela idili, ngibadakise ukuze baqulеke, balale

regozijem e durmam sono eterno e não acordem, diz o SENHOR.

40 Fá-los-ei descer como cordeiros ao matadouro, como carneiros e bodes.

41 Como foi tomada Babilônia, e apanhada de surpresa, a glória de toda a terra! Como se tornou Babilônia objeto de espanto entre as nações!

42 O mar é vindo sobre Babilônia, coberta está com o tumulto das suas ondas.

43 Tornaram-se as suas cidades em desolação, terra seca e deserta, terra em que ninguém habita, nem passa por ela homem algum.

44 Castigarei a Bel na Babilônia e farei que lance de sua boca o que havia tragado, e nunca mais concorrerão a ele as nações; também o muro de Babilônia caiu.

45 Saí do meio dela, ó povo meu, e salve cada um a sua vida do brasume da ira do SENHOR.

46 Não desfaleça o vosso coração, não temais o rumor que se há de ouvir na terra; pois virá num ano um rumor, noutro ano, outro rumor; haverá violência na terra, dominador contra dominador.

47 Portanto, eis que vêm dias, em que castigarei as imagens de escultura da Babilônia, toda a sua terra será envergonhada, e todos os seus cairão traspassados no meio dela.

ubuthongo obuphakade, bangavuki, usho uJehova.

40 Ngiyakubehlisela ekuhlatshweni njengamawundlu, njengezinqama nezimpongo.

41 Yeka ukunqotshwa kweSheshaki nokubanjwa kwelaliludumo lwawo wonke umhlaba! Yeka ukwenziwa kweBabele isimangaliso phakathi kwezizwe!

42Ulwandle lukhuphukele iBabele, lisibekelwe ngamaza alo ahlokomayo.

43Imizi yalo ichithekile; yizwe elomileyo, nehlane, izwe elingahlalwa muntu, kungadluli kulo indodana yomuntu.

44 Ngiyakuhambela uBeli eBabele, ngikhiphe emlonyeni wakhe lokhu akugwinyileyo; izizwe azisayikugobhozela kuye, ugange lwaseBabele luyakuwa.

45 Phumani phakathi kwalo, bantu bami, nizikhulule, kube yilowo nalowo ekufuthekeni kwentukuthelo kaJehova.

46Izinhliziyo zenu mazingadangali, ningesabi imibiko ezwakalayo ezweni, lapho kufika umbiko othile ngomunye umnyaka, bese kufika emva kwawo omunye ngomnyaka olandelayo, kube ngubudlova ezweni, umbusi avukele umbusi.

47Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, lapho ngiyakujezisa izithombe ezibaziweyo zaseBabele, izwe lonke lalo lijabhe, bonke ababuleweyo balo bawe phakathi kwalo.

[48] Os céus, e a terra, e tudo quanto neles há jubilarão sobre Babilônia; porque do Norte lhe virão os destruidores, diz o SENHOR.

[49] Como Babilônia fez cair traspassados os de Israel, assim, em Babilônia, cairão traspassados os de toda a terra.

[50] Vós que escapastes da espada, ide-vos, não pareis; de longe lembrai-vos do SENHOR, e suba Jerusalém à vossa mente.

[51] Direis: Envergonhados estamos, porque ouvimos opróbrio; vergonha cobriu-nos o rosto, porque vieram estrangeiros e entraram nos santuários da Casa do SENHOR.

[52] Portanto, eis que vêm dias, diz o SENHOR, em que castigarei as suas imagens de escultura; e gemerão os traspassados em toda a sua terra.

[53] Ainda que a Babilônia subisse aos céus e ainda que fortificasse no alto a sua fortaleza, de mim viriam destruidores contra ela, diz o SENHOR.

[54] De Babilônia se ouvem gritos, e da terra dos caldeus, o ruído de grande destruição;

[55] porque o SENHOR destrói Babilônia e faz perecer nela a sua grande voz; bramarão as ondas do inimigo como muitas águas, ouvir-se-á o tumulto da sua voz,

[48] Bese kuqhumuka izulu nomhlaba, nakho konke okukukho, ngokuhlabelela ngeBabele, ngokuba abachithi bayakumfikela bevela enyakatho, usho uJehova.

[49] Yebo, neBabele limelwe ukuwa, nina babuleweyo bakwa-Israyeli, njengalokho iBabele laliwelwa ngababuleweyo bomhlaba wonke.

[50] Nina eniphunyukile enkembeni hambani, ningemi; khumbulani uJehova nisekude, iJerusalema lingene ezinhliziyweni zenu.

[51] Sijabhile, ngokuba sizwe inhlamba; amahloni asibekela ubuso bethu, ngokuba abafokazi bangenile ezindaweni ezingcwele endlini kaJehova.

[52] Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakuzihambela izithombe zalo ezibaziweyo, ababulawayo babubule ezweni lonke lalo.

[53] Noma iBabele likhuphukela ezulwini, yebo, noma liqinisa inqaba yalo enamandla, kuyakuvela nokho kimi abachithi, balehlele, usho uJehova.

[54] Ngumsindo wokukhala ovela eBabele, nowencithakalo enkulu ophuma ezweni lamaKaledi,

[55]ngokuba uJehova uyalichitha iBabele, aqede phakathi kwalo umsindo omkhulu; amaza alo ayahlokoma njengamanzi amakhulu, nomsindo wokuhlokoma kwawo uyezwakala,

56 porque o destruidor vem contra ela, contra Babilônia; os seus valentes estão presos, já estão quebrados os seus arcos; porque o SENHOR, Deus que dá a paga, certamente, lhe retribuirá.

57 Embriagarei os seus príncipes, os seus sábios, os seus governadores, os seus vice-reis e os seus valentes; dormirão sono eterno e não acordarão, diz o Rei, cujo nome é SENHOR dos Exércitos.

58 Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Os largos muros de Babilônia totalmente serão derribados, e as suas altas portas serão abrasadas pelo fogo; assim, trabalharam os povos em vão, e para o fogo se afadigaram as nações.

59 Palavra que mandou Jeremias, o profeta, a Seraías, filho de Nerias, filho de Maaséias, indo este com Zedequias, rei de Judá, à Babilônia, no ano quarto do seu reinado. Seraías era o camareiro-mor.

60 Escreveu, pois, Jeremias num livro todo o mal que havia de vir sobre a Babilônia, a saber, todas as palavras já escritas contra a Babilônia.

61 Disse Jeremias a Seraías: Quando chegares a Babilônia, vê que leias em voz alta todas estas palavras.

62 E dirás: Ó SENHOR! Falaste a respeito deste lugar que o exterminarias, a fim de que nada fique nele, nem homem nem animal, e que se tornaria em perpétuas assolações.

56 ngokuba umchithi uyalehlela, alehlele iBabele, amaqhawe alo ayabanjwa, neminsalo yawo iyaphulwa, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wemivuzo, uyakhokha nokukhokha.

57Ngiyakudakisa izikhulu zalo nezihlakaniphi zalo, nezinduna zalo, nababusi balo, namaqhawe alo; bayakulala ubuthongo obuphakade, bangavuki, isho iNkosi egama layo linguJehova Sebawoti.

58 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ugange olubanzi lwaseBabele luyakubhidlizwa nokubhidlizwa, namasango alo aphakemeyo ayakushiswa ngomlilo; abantu bakhandlekela ize nezizwe okomlilo, zikhathale.

Izwi kuSeraya

59Izwi uJeremiya umprofethi ayala ngalo uSeraya indodana kaNeriya kaMakhaseya ekuhambeni kwakhe noSedekiya inkosi yakwaJuda eya eBabele ngomnyaka wesine wokubusa kwakhe. USeraya wayeyisikhulu sezindawo zokuphumula.

60UJeremiya waloba encwadini konke okubi obekuyakwehlela iBabele, onke lawa mazwi alotshiwe ngeBabele.

61UJeremiya wathi kuSeraya: Ekufikeni kwakho eBabele bhekisisa ukuba ufunde onke lawa mazwi,

62uthi: Jehova, wena ukhulumile ngale ndawo ukuba uyinqume ukuze kungabikho muntu ohlala kuyo, umuntu nasilwane, ngokuba iyakuba yihlane kuze kube phakade.

[63] Quando acabares de ler o livro, atá-lo-ás a uma pedra e o lançarás no meio do Eufrates;
[64] e dirás: Assim será afundada a Babilônia e não se levantará, por causa do mal que eu hei de trazer sobre ela; e os seus moradores sucumbirão. Até aqui as palavras de Jeremias.

[63] Lapho usuqedile ukuyifunda le ncwadi, uyakubopha itshe kuyo, uyiphonse e-Ewufrathe,

[64]uthi: Kanjalo iBabele liyakushona, lingabe lisavuka ngenxa yokubi engiyakulehlisela khona, lidangale. Kuphela lapha amazwi kaJeremiya.

Jeremias 52

A queda de Jerusalém e o cativeiro de Judá

2 Reis 24.18—25.22; 2 Crônicas 36.10-21; Jeremias 39.1-10

[1] Tinha Zedequias a idade de vinte e um anos, quando começou a reinar e reinou onze anos em Jerusalém. Sua mãe se chamava Hamutal e era filha de Jeremias, de Libna.

[2] Fez ele o que era mau perante o SENHOR, conforme tudo quanto fizera Jeoaquim.
[3] Assim sucedeu por causa da ira do SENHOR contra Jerusalém e contra Judá, a ponto de os rejeitar de sua presença; Zedequias rebelou-se contra o rei da Babilônia.
[4] Sucedeu que, em o nono ano do reinado de Zedequias, aos dez dias do décimo mês, Nabucodonosor, rei da Babilônia, veio contra Jerusalém, ele e todo o seu exército, e se acamparam contra ela, e levantaram contra ela tranqueiras em redor.

[5] A cidade ficou sitiada até ao undécimo ano do rei Zedequias.

UJeremiya 52

Ukuwa kweJerusalema

[1] USedekiya wayeneminyaka engamashumi amabili nanye ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema; igama likanina lalinguHamuthali indodakazi kaJeremiya waseLibina.
[2]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uJehoyakimi.
[3]Ngokuba kwenzeka lokho eJerusalema nakwaJuda ngenxa yentukuthelo kaJehova, waze wabalahla ebusweni bakhe; uSedekiya wayihlubuka inkosi yaseBabele.
[4] Kwathi ngomnyaka wesishiyagalolunye wokubusa kwakhe ngenyanga yeshumi, ngolweshumi lwenyanga, kwafika uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, yena nayo yonke impi yakhe, eJerusalema, wamisa malungana nalo, bakha inqaba ngakulo nxazonke.
[5]Wawusuvinjezelwa umuzi kwaze kwaba ngumnyaka weshumi nanye wenkosi uSedekiya.

[6] Aos nove dias do quarto mês, quando a cidade se via apertada da fome, e não havia pão para o povo da terra,

[7] então, a cidade foi arrombada, e todos os homens de guerra fugiram e saíram de noite pelo caminho da porta que está entre os dois muros perto do jardim do rei, a despeito de os caldeus se acharem contra a cidade em redor; e se foram pelo caminho da campina.

[8] Porém o exército dos caldeus perseguiu o rei Zedequias e o alcançou nas campinas de Jericó; e todo o exército deste se dispersou e o abandonou.

[9] Então, o tomaram preso e o fizeram subir ao rei da Babilônia, a Ribla, na terra de Hamate, e este lhe pronunciou a sentença.

[10] Matou o rei da Babilônia os filhos de Zedequias à sua própria vista, bem assim todos os príncipes de Judá, em Ribla.

[11] Vazou os olhos de Zedequias, atou-o com duas cadeias de bronze, levou-o à Babilônia e o conservou no cárcere até ao dia da sua morte.

[12] No décimo dia do quinto mês, do ano décimo nono de Nabucodonosor, rei da Babilônia, Nebuzaradã, o chefe da guarda e servidor do rei da Babilônia, veio a Jerusalém.

[13] E queimou a Casa do SENHOR e a casa do rei, como também todas as casas de

[6]Ngenyanga yesine ngolwesishiyagalolunye lwenyanga indlala yaba namandla emzini, akubangakho kudla kubantu bezwe.

[7]Kepha wawusufohlwa umuzi, onke amadoda empi abaleka, aphuma emzini ebusuku ngendlela yesango phakathi kwezingange zombili ezazingasensimini yenkosi -- amaKaledi ayekhona nxazonke zomuzi -- ahamba ngendlela yase-Araba.

[8]Kodwa impi yamaKaledi yayixosha inkosi, yamfica uSedekiya emathafeni aseJeriko, yonke impi yakhe yahlakazeka.

[9]Ayeseyibamba inkosi, ayenyusela enkosini yaseBabele eRibila ezweni laseHamati, ayahlulela.

[10]Inkosi yaseBabele yabulala amadodana kaSedekiya phambi kwamehlo akhe; yabulala nazo zonke izikhulu zakwaJuda eRibila.

[11]Yakhipha namehlo kaSedekiya; inkosi yaseBabele yambopha ngamaketanga, yamyisa eBabele, yamfaka etilongweni kwaze kwaba sosukwini lokufa kwakhe.

[12]Ngenyanga yesihlanu, ngolweshumi lwenyanga okwakungumnyaka weshumi nesishiyagalolunye wenkosi uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, kwafika uNebuzaradani induna yabalindi, inceku yenkosi yaseBabele, eJerusalema.

[13]Washisa indlu kaJehova nendlu yenkosi; nazo zonke izindlu zaseJerusalema, zonke izindlu ezinkulu, wazishisa ngomlilo.

Jerusalém; também entregou às chamas todos os edifícios importantes.

[14] Todo o exército dos caldeus que estava com o chefe da guarda derribou todos os muros em redor de Jerusalém.

[15] Dos mais pobres do povo, o mais do povo que havia ficado na cidade, os desertores que se entregaram ao rei da Babilônia e o mais da multidão Nebuzaradã, o chefe da guarda, levou cativos.

[16] Porém dos mais pobres da terra deixou Nebuzaradã, o chefe da guarda, ficar alguns para vinheiros e para lavradores.

[17] Os caldeus cortaram em pedaços as colunas de bronze que estavam na Casa do SENHOR, como também os suportes e o mar de bronze que estavam na Casa do SENHOR; e levaram todo o bronze para a Babilônia.

[18] Levaram também as panelas, as pás, as espevitadeiras, as bacias, os recipientes de incenso e todos os utensílios de bronze, com que se ministrava.

[19] Tomou também o chefe da guarda os copos, os braseiros, as bacias, as panelas, os candeeiros, os recipientes de incenso e as taças, tudo quanto fosse de ouro ou de prata.

[20] Quanto às duas colunas, ao mar e aos suportes que Salomão fizera para a Casa do SENHOR, o peso do bronze de todos estes utensílios era incalculável.

[14]Yonke impi yamaKaledi induna yabalindi eyayinayo yadiliza izingange zaseJerusalema nxazonke.

[15]Abantu abathile abayizimpofana, nabantu abaseleyo ababesele emzini, nabahlubukileyo behlubukela enkosini yaseBabele, nesixuku esiseleyo uNebuzaradani induna yabalindi wabathumba.

[16]Kepha uNebuzaradani induna yabalindi washiya abantu abathile bezwe abayizimpofana ukuba baphathe izivini namasimu.

[17] Izinsika zethusi ezazisendlini yenkosi, nezinqe, nolwandle lwethusi okwakusendlini kaJehova amaKaledi akuhlephula, athuthela lonke ithusi lakho eBabele.

[18]Amakhanzi, namafosholo, nezizenze, nemicakulo, nezinkezo, nazo zonke izitsha zethusi ababekhonza ngazo akuthatha.

[19]Izindebe, nemicengezi yomlilo, nezitsha, namakhanzi, nezinti zezibani, nezinkezo, nezinkamba, okwegolide lodwa nesiliva lodwa, nalokho induna yabalindi yakuthatha.

[20] Izinsika zombili, nolwandle olwalulunye nje, nezinkabi eziyishumi nambili zethusi ezaziphansi kwezinye, inkosi uSolomoni eyayikwenzele indlu

kaJehova, ithusi lazo zonke lezi zinto lalingenakulinganiswa.

[21] Quanto às colunas, a altura de uma era de dezoito côvados, um cordão de doze côvados a cercava, e a grossura era de quatro dedos; era oca.

[21]Izinsika-ke, ukuphakama kwensika eyodwa kwakuyizingalo eziyishumi nesishiyagalombili; umucu oyizingalo eziyishumi nambili wawuyizungeza; uhlonze lwayo lwaluyiminwe emine, yayiyigobongo.

[22] Sobre ela havia um capitel de bronze; a altura de cada um era de cinco côvados; a obra de rede e as romãs sobre o capitel ao redor eram de bronze.

[22]Kwakukhona isihloko sethusi; ukuphakama kwesihloko esisodwa kwakuyizingalo eziyisihlanu; kwakukhona nenetha namapomegranati phezu kwesihloko nxazonke, konke kwakungokwethusi; njengangale kwakunjalo nasensikeni yesibili enamapomegranati.

[23] Semelhante a esta era a outra coluna com as romãs. Havia noventa e seis romãs aos lados; as romãs todas sobre a obra de rede ao redor eram cem.

[23]Kwakukhona amapomegranati angamashumi ayisishiyagalolunye nesithupha ngasemoyeni; onke amapomegranati asenetheni nxazonke ayeyikhulu.

[24] Levou também o chefe da guarda a Seraías, sumo sacerdote, e a Sofonias, segundo sacerdote, e aos três guardas da porta.

[24]Induna yabalindi yathatha uSeraya, umpristi omkhulu, noZefaniya, umpristi wesibili, nabalindimnyango abathathu;

[25] Da cidade tomou a um oficial, que era comandante das tropas de guerra, e a sete homens dos que eram conselheiros pessoais do rei e se achavam na cidade, como também ao escrivão-mor do exército, que alistava o povo da terra, e a sessenta homens do povo do lugar, que se achavam na cidade.

[25]yathatha emzini induna eyayimiswe phezu kwamadoda empi, nabantu abayisikhombisa kwaba besebusweni benkosi abafunyanwa emzini, nombhali wenduna yempi eyayibala abantu bezwe, nabantu bezwe abangamashumi ayisithupha abafunyanwa phakathi komuzi.

[26] Tomando-os Nebuzaradã, o chefe da guarda, levou-os ao rei da Babilônia, a Ribla.

[27] O rei da Babilônia os feriu e os matou em Ribla, na terra de Hamate.

[28] Assim, Judá foi levado cativo para fora de sua terra. Este é o povo que Nabucodonosor levou para o exílio: no sétimo ano, três mil e vinte e três judeus;

[29] no ano décimo oitavo de Nabucodonosor, levou ele cativas de Jerusalém oitocentas e trinta e duas pessoas;

[30] no ano vigésimo terceiro de Nabucodonosor, Nebuzaradã, o chefe da guarda, levou cativas, dentre os judeus, setecentas e quarenta e cinco pessoas; todas as pessoas são quatro mil e seiscentas.

Libertado e honrado o rei Joaquim
2 Reis 25.27-30

[31] No trigésimo sétimo ano do cativeiro de Joaquim, rei de Judá, no dia vinte e cinco do duodécimo mês, Evil-Merodaque, rei da Babilônia, no ano em que começou a reinar, libertou a Joaquim, rei de Judá, e o fez sair do cárcere.

[26]UNebuzaradani, induna yabalindi, wabathatha, wabayisa enkosini yaseBabele eRibila.

[27]Inkosi yaseBabele yabashaya, yababulala eRibila ezweni laseHamati. Wathunjwa kanjalo uJuda ezweni lakubo.

[28]Nampa abantu uNebukadinesari abathumbayo: ngomnyaka wesikhombisa abaJuda abayizinkulungwane ezintathu namashumi amabili nantathu,

[29]nangomnyaka weshumi nesishiyagalombili kaNebukadinesari wathumba eJerusalema abantu abangamakhulu ayisishiyagalombili namashumi amathathu nambili.

[30]Ngomnyaka wamashumi amabili nantathu kaNebukadinesari uNebuzaradani induna yabalindi wathumba abaJuda, abantu abangamakhulu ayisikhombisa namashumi amane nanhlanu. Bonke abantu babe yizinkulungwane ezine namakhulu ayisithupha.

Ukukhululwa kukaJehoyakini

[31]Kwathi ngomnyaka wamashumi amathathu nesikhombisa wokuthunjwa kukaJehoyakini, inkosi yakwaJuda, ngenyanga yeshumi nambili, ngolwamashumi amabili nanhlanu lwenyanga, u-Evili Merodaki inkosi yaseBabele ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe waphakamisa ikhanda likaJehoyakini inkosi yakwaJuda, wamkhipha etilongweni,

[32] Falou com ele benignamente e lhe deu lugar de mais honra do que o dos reis que estavam consigo em Babilônia.

[33] Mudou-lhe as vestes do cárcere, e Joaquim passou a comer pão na sua presença, todos os dias da sua vida.

[34] E da parte do rei da Babilônia lhe foi dada subsistência vitalícia, uma pensão diária, até ao dia da sua morte, durante os dias da sua vida.

[32]wakhuluma kahle kuye, wabeka isihlalo sakhe phezu kwezihlalo zamakhosi ayenaye eBabele.

[33]Waguqula izingubo zakhe zasetilongweni; wadla njalo phambi kwakhe zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

[34]Isabelo sakhe sasiyisabelo esimiyo semihla ngemihla, asiphiwa yinkosi yaseBabele zonke izinsuku zokuhamba kwakhe kwaze kwaba sosukwini lokufa kwakhe.

Lamentações de Jeremias

Lamentações 1

Jerusalém destruída e desolada

1 Como jaz solitária a cidade outrora populosa! Tornou-se como viúva a que foi grande entre as nações; princesa entre as províncias, ficou sujeita a trabalhos forçados!

2 Chora e chora de noite, e as suas lágrimas lhe correm pelas faces; não tem quem a console entre todos os que a amavam; todos os seus amigos procederam perfidamente contra ela, tornaram-se seus inimigos.

3 Judá foi levado ao exílio, afligido e sob grande servidão; habita entre as nações, não acha descanso; todos os seus perseguidores o apanharam nas suas angústias.

4 Os caminhos de Sião estão de luto, porque não há quem venha à reunião solene; todas as suas portas estão desoladas; os seus sacerdotes gemem; as suas virgens estão tristes, e ela mesma se acha em amargura.

5 Os seus adversários triunfam, os seus inimigos prosperam; porque o SENHOR a afligiu, por causa da multidão das suas prevaricações; os seus filhinhos tiveram de ir para o exílio, na frente do adversário.

6 Da filha de Sião já se passou todo o esplendor; os seus príncipes ficaram sendo como corços que não acham pasto e caminham exaustos na frente do perseguidor.

IsiLilo

IsiLilo 1

Ukuchithwa kweJerusalema

1 Yeka ukuhlala kodwa komuzi owawunabantu abaningi! Usungumfelokazi owawunezizwe eziningi. Owawuyinkosikazi phakathi kwezifunda usungobuswayo.

2 Uyakhala nokukhala ebusuku, izinyembezi zawo zisezihlathini zawo; kawunamduduzi phakathi kwazo zonke izithandwa zawo; bonke abangane bawo bawuphathe ngenkohliso, sebe yizitha zawo.

3 UJuda uthunjiwe ngenxa yokuhlupheka nobugqila obuningi; uhlala phakathi kwabezizwe, katholi ukuphumula; bonke abamzingelayo bamfica ephakathi kobuhlungu.

4 Izindlela zaseSiyoni ziyalila ngokuba kungeziwa emikhosini emisiweyo; onke amasango achithekile, abapristi balo bayabubula; izintombi zalo ziyahlupheka, nalo linomunyu.

5 Abamelene nalo sebe yinhloko, izitha zalo zinokuthula, ngokuba uJehova ulihluphile ngenxa yobuningi beziphambeko zalo; izingane zalo ziye ekuthunjweni ebusweni bezitha.

6 Bonke ubukhosi bumukile endodakazini yaseSiyoni; izikhulu zalo sezinjengezindluzele ezingafumani idlelo, zihambile zingenamandla ebusweni babaxoshayo.

[7] Agora, nos dias da sua aflição e do seu desterro, lembra-se Jerusalém de todas as suas mais estimadas coisas, que tivera dos tempos antigos; de como o seu povo caíra nas mãos do adversário, não tendo ela quem a socorresse; e de como os adversários a viram e fizeram escárnio da sua queda.

[8] Jerusalém pecou gravemente; por isso, se tornou repugnante; todos os que a honravam a desprezam, porque lhe viram a nudez; ela também geme e se retira envergonhada.

[9] A sua imundícia está nas suas saias; ela não pensava no seu fim; por isso, caiu de modo espantoso e não tem quem a console. Vê, SENHOR, a minha aflição, porque o inimigo se torna insolente.

[10] Estendeu o adversário a mão a todas as coisas mais estimadas dela; pois ela viu entrar as nações no seu santuário, acerca das quais proibiste que entrassem na tua congregação.

[11] Todo o seu povo anda gemendo e à procura de pão; deram eles as suas coisas mais estimadas a troco de mantimento para restaurar as forças; vê, SENHOR, e contempla, pois me tornei desprezível.

[12] Não vos comove isto, a todos vós que passais pelo caminho? Considerai e vede se há dor igual à minha, que veio sobre mim, com que o SENHOR me afligiu no dia do furor da sua ira.

[7] IJerusalema liyakhumbula ezinsukwini zokuhlupheka kwalo nezinsizi zalo konke okuhle okwakukhona ezinsukwini zasendulo; lapho abantu balo bewela esandleni sezitha, kungekho olisizayo, abamelene nalo balibona, bahleka ukuchithwa kwalo.

[8] IJerusalema lalonile kakhulu; ngalokho seliyisinengiso; bonke ababelidumisa sebelidelela ngokuba bebone ubunqunu balo; seliyabubula nalo, libuyela emuva.

[9] Ukungcola kwalo kwakusemaphethelweni alo, alikhumbulanga ukuphela kwalo; lehlile ngokumangalisayo, alinamduduzi. Bheka, Jehova, ukuhlupheka kwami, ngokuba isitha sizikhulisile.

[10] Isitha selulile isandla saso phezu kwakho konke okumnandi kwalo, ngokuba sibonile ukuthi abezizwe bangene endlini yalo engcwele, owabayala ukuthi abayikungena ebandleni lakho.

[11] Bonke abantu balo bayabubula, befuna isinkwa sabo; banika okumnandi kwabo ngokudla ukuba babuyise umphefumulo. Bheka, Jehova, ubhekisise, ngokuba ngiyadelelwa.

[12] Akulutho kinina nonke enidlula ngendlela na? Bhekani, nibone ukuba kukhona yini ubuhlungu obunjengobuhlungu bami engehlelwe

yibo, uJehova angihluphe ngabo ngosuku lokufutheka kwentukuthelo yakhe.

[13] Lá do alto enviou fogo a meus ossos, o qual se assenhoreou deles; estendeu uma rede aos meus pés, arrojou-me para trás, fez-me assolada e enferma todo o dia.

[13] Ephezulu ungithumele umlilo emathanjeni ami, wawahlula; wenekele izinyawo zami inetha, wangibuyisela emuva. Ungenze incithakalo, ngiphele amandla usuku lonke.

[14] O jugo das minhas transgressões está atado pela sua mão; elas estão entretecidas, subiram sobre o meu pescoço, e ele abateu a minha força; entregou-me o SENHOR nas mãos daqueles contra os quais não posso resistir.

[14] Iziphambeko zami zaboshwa ngesandla sakhe, zaba yijoka; zalukwa, sezisentanyeni yami; wakhubekisa amandla ami. INkosi inginikele esandleni sabo engingenakumelana nabo.

[15] O SENHOR dispersou todos os valentes que estavam comigo; apregoou contra mim um ajuntamento, para esmagar os meus jovens; o SENHOR pisou, como num lagar, a virgem filha de Judá.

[15] INkosi ilahlile onke amaqhawe ami phakathi kwami; ingibizele umhlangano ukuphahlaza izinsizwa zami; iNkosi inyathele njengasesikhamweni sewayini intombi eyindodakazi yakwaJuda.

[16] Por estas coisas, choro eu; os meus olhos, os meus olhos se desfazem em águas; porque se afastou de mim o consolador que devia restaurar as minhas forças; os meus filhos estão desolados, porque prevaleceu o inimigo.

[16] Ngiyakhala ngalokhu; iso lami, iso lami liyamululeka izinyembezi, ngokuba umduduzi wami obeyakubuyisa umphefumulo wami ukude nami. Abantwana bami bachithekile, ngokuba isitha sahlulile.

[17] Estende Sião as mãos, e não há quem a console; ordenou o SENHOR acerca de Jacó que os seus vizinhos se tornem seus inimigos; Jerusalém é para eles como coisa imunda.

[17]ISiyoni liyelula izandla zalo, akakho oliduduzayo. UJehova uyalile ngoJakobe ukuba abamzungezayo babe yizitha zakhe. IJerusalema linjengesinengiso phakathi kwabo.

[18] Justo é o SENHOR, pois me rebelei contra a sua palavra; ouvi todos os povos e vede a minha dor; as minhas virgens e os meus jovens foram levados para o cativeiro.

[18] UJehova ulungile, ngokuba ngihlubukile izwi lakhe. Ake nizwe, bantu bonke, nibone ubuhlungu bami. Izintombi zami nezinsizwa zami ziye ekuthunjweni.

[19] Chamei os meus amigos, mas eles me enganaram; os meus sacerdotes e os meus anciãos expiraram na cidade, quando estavam à procura de mantimento para restaurarem as suas forças.
[20] Olha, SENHOR, porque estou angustiada; turbada está a minha alma, o meu coração, transtornado dentro de mim, porque gravemente me rebelei; fora, a espada mata os filhos; em casa, anda a morte.

[21] Ouvem que eu suspiro, mas não tenho quem me console; todos os meus inimigos que souberam do meu mal folgam, porque tu o fizeste; mas, em trazendo tu o dia que apregoaste, serão semelhantes a mim.

[22] Venha toda a sua iniqüidade à tua presença, e faze-lhes como me fizeste a mim por causa de todas as minhas prevaricações; porque os meus gemidos são muitos, e o meu coração está desfalecido.

Lamentações 2

As tristezas de Sião provêm do Senhor

[1] Como o SENHOR cobriu de nuvens, na sua ira, a filha de Sião! Precipitou do céu à terra a glória de Israel e não se lembrou do estrado de seus pés, no dia da sua ira.

[2] Devorou o SENHOR todas as moradas de Jacó e não se apiedou; derribou no seu furor as fortalezas da filha de Judá; lançou

[19] Ngazibiza izithandwa zami, zangikhohlisa. Abapristi bami namalunga ami bafela emzini, besafuna ukudla ukuba babuyise umphefumulo wabo.

[20] Bheka, Jehova, ngokuba nginosizi; izibilini zami ziyaxhaphazela. Inhliziyo yami iphendukile phakathi kwami, ngokuba ngihlubukile nokuhlubuka. Endle yinkemba eyaphucayo, ekhaya ngukufa.
[21] Bezwile ukuthi ngiyabubula, kepha anginamduduzi. Zonke izitha zami zizwile ukuhlupheka kwami; ziyathokoza ukuthi nguwe okwenzileyo. Ululethile usuku olumemezileyo, kepha ziyakuba njengami.

[22] Mabufike bonke ububi bazo ebusweni bakho, wenze kuzo njengokwenza kwakho kimi ngenxa yazo zonke iziphambeko zami, ngokuba ukububula kwami kukhulu, nenhliziyo idangele.

IsiLilo 2

Ukwahlulelwa kweJerusalema

[1] Yeka ukwembesa kweNkosi indodakazi yaseSiyoni amafu ngentukuthelo yayo. Uphonsile ubuhle buka-Israyeli emhlabeni busuke ezulwini, angasikhumbulanga isenabelo sezinyawo zayo ngosuku lwentukuthelo yayo.
[2]INkosi igwinyile onke amakhaya kaJakobe ingahawukelanga. Ngentukuthelo yayo, ibhidlizile izinqaba zendodakazi yakwaJuda, yazidilizela

por terra e profanou o reino e os seus príncipes.

3 No furor da sua ira, cortou toda a força de Israel; retirou a sua destra de diante do inimigo; e ardeu contra Jacó, como labareda de fogo que tudo consome em redor.

4 Entesou o seu arco, qual inimigo; firmou a sua destra, como adversário, e destruiu tudo o que era formoso à vista; derramou o seu furor, como fogo, na tenda da filha de Sião.

5 Tornou-se o SENHOR como inimigo, devorando Israel; devorou todos os seus palácios, destruiu as suas fortalezas e multiplicou na filha de Judá o pranto e a lamentação.

6 Demoliu com violência o seu tabernáculo, como se fosse uma horta; destruiu o lugar da sua congregação; o SENHOR, em Sião, pôs em esquecimento as festas e o sábado e, na indignação da sua ira, rejeitou com desprezo o rei e o sacerdote.

7 Rejeitou o SENHOR o seu altar e detestou o seu santuário; entregou nas mãos do inimigo os muros dos seus castelos; deram gritos na Casa do SENHOR, como em dia de festa.

8 Intentou o SENHOR destruir o muro da filha de Sião; estendeu o cordel e não retirou a sua mão destruidora; fez gemer o

emhlabathini, yangcolisa umbuso nezikhulu zawo.

3Yanquma ngokufutheka kolaka lwayo zonke izimpondo zakwa-Israyeli, yabuyisela emuva isandla sayo sokunene ebusweni bezitha, yashisa uJakobe ngomlilo wamalangabi odla nxazonke.

4 Yansala umnsalo wayo njengesitha, yema njengomelene nathi ngesokunene sayo, yabulala konke okwakumnandi emehlweni ethu. Etendeni lendodakazi yaseSiyoni yathulula ukufutheka kwayo njengomlilo.

5INkosi isinjengesitha, imgwinyile u-Israyeli; yagwinya zonke izindlu zakhe zobukhosi, yachitha izinqaba zakhe; yandisile endodakazini yakwaJuda ukukhala nokulila.

6Yachitha idokodo layo njengelensimu, yaqeda indawo yayo yokuhlangana. UJehova wenza ukuba kukhohlakale imikhosi emisiweyo namasabatha eSiyoni, wadelela ngokufutheka kolaka lwakhe inkosi nompristi.

7INkosi yalilahla i-altare layo, yanengwa yindlu yayo engcwele, yanikela izingange zezindlu zayo zamakhosi esandleni sesitha. Ziphakamise izwi endlini kaJehova njengasosukwini lomkhosi omisiweyo.

8 UJehova wayecebile ukuchitha ugange lwendodakazi yaseSiyoni; wawelula umucu wokulinganisa, akabuyisanga isandla sakhe ekuchitheni; wenza ukuba

antemuro e o muro; eles estão juntamente enfraquecidos.

9 As suas portas caíram por terra; ele quebrou e despedaçou os seus ferrolhos; o seu rei e os seus príncipes estão entre as nações onde já não vigora a lei, nem recebem visão alguma do SENHOR os seus profetas.

10 Sentados em terra se acham, silenciosos, os anciãos da filha de Sião; lançam pó sobre a cabeça, cingidos de cilício; as virgens de Jerusalém abaixam a cabeça até ao chão.

11 Com lágrimas se consumiram os meus olhos, turbada está a minha alma, e o meu coração se derramou de angústia por causa da calamidade da filha do meu povo; pois desfalecem os meninos e as crianças de peito pelas ruas da cidade.

12 Dizem às mães: Onde há pão e vinho?, quando desfalecem como o ferido pelas ruas da cidade ou quando exalam a alma nos braços de sua mãe.

13 Que poderei dizer-te? A quem te compararei, ó filha de Jerusalém? A quem te assemelharei, para te consolar a ti, ó virgem filha de Sião? Porque grande como o mar é a tua calamidade; quem te acudirá?

14 Os teus profetas te anunciaram visões falsas e absurdas e não manifestaram a tua maldade, para restaurarem a tua sorte; mas te anunciaram visões de sentenças falsas, que te levaram para o cativeiro.

kukhale ugange nodonga, kudangale kanyekanye.

9 Amasango alo ashona emhlabathini; wachitha, wayaphula imigoqo yalo. Inkosi nezikhulu zalo baphakathi kwezizwe, lapho kungekho khona umthetho. Nabaprofethi balo abatholi mbono kuJehova.

10Amalunga endodakazi yaseSiyoni ahlezi emhlabathini, athule; athele uthuli emakhanda awo, abhince indwangu yamasaka. Izintombi zaseJerusalema zithobisela phansi amakhanda azo.

11 Amehlo ami ayaphela izinyembezi, izibilini zami ziyaxhaphazela; isibindi sami sithululelwe emhlabathini ngenxa yokuchitheka kwendodakazi yabantu bami, ngokuba izingane nabancelayo bayadangala ezigcawini zomuzi.

12Bathi konina: Aphi amabele newayini? lapho bedangala njengababulawayo ezigcawini zomuzi, imiphefumulo yabo ithululelwe ezifubeni zawonina.

13Ngingafakaza ngokuthini ngawe, ngikufanise nani, ndodakazi yaseSiyoni, na? Ngingakulinganisa nani ukuba ngikududuze, ntombi eyindodakazi yaseSiyoni na? Ngokuba ukuchitheka kwakho kukhulu njengolwandle. Ngubani ongakuphulukisa na?

14 Abaprofethi bakho bakubonele imibono eyize nobuwula; abambulanga ukona kwakho ukuba babuyise ukuthunjwa kwakho. Kepha bakubonele iziprofetho eziyize nezikhohlisayo.

[15] Todos os que passam pelo caminho batem palmas, assobiam e meneiam a cabeça sobre a filha de Jerusalém: É esta a cidade que denominavam a perfeição da formosura, a alegria de toda a terra?

[16] Todos os teus inimigos abrem contra ti a boca, assobiam e rangem os dentes; dizem: Devoramo-la; certamente, este é o dia que esperávamos; achamo-lo e vimo-lo.

[17] Fez o SENHOR o que intentou; cumpriu a ameaça que pronunciou desde os dias da antiguidade; derrubou e não se apiedou; fez que o inimigo se alegrasse por tua causa e exaltou o poder dos teus adversários.

[18] O coração de Jerusalém clama ao SENHOR. Ó muralha da filha de Sião, corram as tuas lágrimas como um ribeiro, de dia e de noite, não te dês descanso, nem pare de chorar a menina de teus olhos!

[19] Levanta-te, clama de noite no princípio das vigílias; derrama, como água, o coração perante o SENHOR; levanta a ele as mãos, pela vida de teus filhinhos, que desfalecem de fome à entrada de todas as ruas.

[20] Vê, ó SENHOR, e considera a quem fizeste assim! Hão de as mulheres comer o fruto de si mesmas, as crianças do seu carinho? Ou se matará no santuário do SENHOR o sacerdote e o profeta?

[15] Bonke abadlula ngendlela bakushayela ihlombe, bancimfe, banikine amakhanda abo ngenxa yendodakazi yaseJerusalema ngokuthi: Yiwo lo muzi owawubizwa ngokuthi ubuhle obupheleleyo nentokozo yomhlaba wonke na?

[16] Zonke izitha zikukhamisela umlomo wazo, zincimfa, zigedla amazinyo, zithi: Siwugwinyile. Impela yilo usuku esilulindele; sesilufumene, silubonile.

[17] UJehova wenzile lokhu abekucebile; uligcwalisile izwi lakhe, ayeyale ngalo ezinsukwini zasendulo; ubhidlizile engenasihawu, wenza ukuba isitha sithokoze phezu kwakho, waphakamisa uphondo lwabamelene nawe.

[18]Izinhliziyo zabo zikhala eNkosini; wena lugange lwendodakazi yaseSiyoni, izinyembezi mazehle njengemifula imini nobusuku. Mawungazivumeli ukuphumula, inhlamvu yeso lakho ingayeki.

[19] Vuka ukhale ebusuku ekuqaleni kwemilindo, uthulule inhliziyo yakho njengamanzi phambi kobuso beNkosi; phakamisa izandla zakho kuyo ngenxa yokuphila kwezingane ezidangala ngendlala ezingosini zezitaladi zonke.

[20] Bheka, Jehova, ubone ukuthi wenzile kanjalo kubani. Abesifazane bayakudla yini izithelo zabo, izingane eziphathiweyo kahle, na? Abaprofethi nabapristi bayakubulawa endlini engcwele yeNkosi, na?

[21] Jazem por terra pelas ruas o moço e o velho; as minhas virgens e os meus jovens vieram a cair à espada; tu os mataste no dia da tua ira, fizeste matança e não te apiedaste.
[22] Convocaste de toda parte terrores contra mim, como num dia de solenidade; não houve, no dia da ira do SENHOR, quem escapasse ou ficasse; aqueles do meu carinho os quais eu criei, o meu inimigo os consumiu.

Lamentações 3

Convidado o povo a reconhecer o seu pecado

[1] Eu sou o homem que viu a aflição pela vara do furor de Deus.
[2] Ele me levou e me fez andar em trevas e não na luz.
[3] Deveras ele volveu contra mim a mão, de contínuo, todo o dia.
[4] Fez envelhecer a minha carne e a minha pele, despedaçou os meus ossos.
[5] Edificou contra mim e me cercou de veneno e de dor.
[6] Fez-me habitar em lugares tenebrosos, como os que estão mortos para sempre.
[7] Cercou-me de um muro, e já não posso sair; agravou-me com grilhões de bronze.
[8] Ainda quando clamo e grito, ele não admite a minha oração.
[9] Fechou os meus caminhos com pedras lavradas, fez tortuosas as minhas veredas.
[10] Fez-se-me como urso à espreita, um leão de emboscada.
[11] Desviou os meus caminhos e me fez em pedaços; deixou-me assolado.

[21] Balele phansi ezitaladini, abasha nabadala. Izintombi zami nezinsizwa zami ziwile ngenkemba. Wababulala ngosuku lwentukuthelo yakho, wabulala ungahawukelanga.
[22] Wabiza njengasosukwini lomhlangano izesabiso zami nxazonke; akubangakho ngosuku lwentukuthelo kaJehova owasindayo nowasalayo. Labo engangibaphathile, ngabondla, izitha zami zibaqedile.

IsiLilo 3

Ukuhlupheka nosizi

[1]Ngingumuntu obone ukuhlupheka ngentonga yentukuthelo yakhe.
[2]Ungiholile, wangihambisa ebumnyameni, kungesikho ekukhanyeni.
[3]Impela uyangiphendulela isandla sakhe ephinda njalo zonke izinsuku.
[4] Ugugisile inyama yami nesikhumba sami, waphula amathambo ami.
[5]Ungakhele, wangihaqa ngenyongo nangokushikashikeka.
[6] Ungihlalisile ebumnyameni njengabakade bafa.
[7]Ungibiyele ukuze ngingaphumi, wenza amaketanga ami ukuba asinde.
[8] Nalapho ngikhala ngicela ukusindiswa, uyavalela umkhuleko wami.
[9] Ubiyele izindlela zami ngamatshe abaziweyo, wagwegwisa imikhondo yami.
[10] Ukimi njengebhere eliqamekelayo nengonyama ezindaweni ezisithekileyo.
[11]Wachezukisa izindlela zami, wangidwengula, wangenza incithakalo.

[12] Entesou o seu arco e me pôs como alvo à flecha.

[13] Fez que me entrassem no coração as flechas da sua aljava.

[14] Fui feito objeto de escárnio para todo o meu povo e a sua canção, todo o dia.

[15] Fartou-me de amarguras, saciou-me de absinto.

[16] Fez-me quebrar com pedrinhas de areia os meus dentes, cobriu-me de cinza.

[17] Afastou a paz de minha alma; esqueci-me do bem.

[18] Então, disse eu: já pereceu a minha glória, como também a minha esperança no SENHOR.

[19] Lembra-te da minha aflição e do meu pranto, do absinto e do veneno.

[20] Minha alma, continuamente, os recorda e se abate dentro de mim.

[21] Quero trazer à memória o que me pode dar esperança.

Esperança de auxílio pela misericórdia de Deus

[22] As misericórdias do SENHOR são a causa de não sermos consumidos, porque as suas misericórdias não têm fim;

[23] renovam-se cada manhã. Grande é a tua fidelidade.

[24] A minha porção é o SENHOR, diz a minha alma; portanto, esperarei nele.

[25] Bom é o SENHOR para os que esperam por ele, para a alma que o busca.

[26] Bom é aguardar a salvação do SENHOR, e isso, em silêncio.

[12] Wansala umnsalo wakhe, wangimisa ngibe yisigcibisholo somcibisholo.

[13]Wahlaba izinso zami ngemicibisholo yesambo sakhe.

[14] Sengingohlekwayo kubantu bonke, ngihaywa usuku lonke.

[15]Wangisuthisa ngokubabayo, wangigcwalisa ngomhlonyane.

[16]Waphula amazinyo ami ngohlalwane, wangembesa umlotha.

[17]Walahla kude nokuthula umphefumulo wami, ngakhohlwa inhlanhla.

[18]Ngathi: Amandla ami nethemba lami kuJehova kuphelile.

[19]Khumbula ukuhlupheka kwami nosizi lwami, umhlonyane nenyongo.

[20]Umphefumulo wami uyakukhumbula nokukukhumbula, uthobile phakathi kwami.

[21]Kepha yilokhu engiyakukubuyisela enhliziyweni yami, ngalokho nginethemba:

[22]ngumusa kaJehova ukuthi asiqediwe, ngokuba ububele bakhe abupheli.

[23]Busha ekuseni njalo; ukuthembeka kwakho kukhulu.

[24] UJehova uyisabelo sami, usho umphefumulo wami; ngakho ngiyakwethemba kuye.

[25]UJehova muhle kwabamethembayo, kumphefumulo omfunayo.

[26]Kuhle ukumethemba nokulindela ngokuthula ukusindisa kukaJehova.

[27] Bom é para o homem suportar o jugo na sua mocidade.
[28] Assente-se solitário e fique em silêncio; porquanto esse jugo Deus pôs sobre ele;
[29] ponha a boca no pó; talvez ainda haja esperança.
[30] Dê a face ao que o fere; farte-se de afronta.
[31] O SENHOR não rejeitará para sempre;
[32] pois, ainda que entristeça a alguém, usará de compaixão segundo a grandeza das suas misericórdias;
[33] porque não aflige, nem entristece de bom grado os filhos dos homens.
[34] Pisar debaixo dos pés a todos os presos da terra,
[35] perverter o direito do homem perante o Altíssimo,
[36] subverter ao homem no seu pleito, não o veria o SENHOR?
[37] Quem é aquele que diz, e assim acontece, quando o SENHOR o não mande?
[38] Acaso, não procede do Altíssimo tanto o mal como o bem?
[39] Por que, pois, se queixa o homem vivente? Queixe-se cada um dos seus próprios pecados.
[40] Esquadrinhemos os nossos caminhos, provemo-los e voltemos para o SENHOR.
[41] Levantemos o coração, juntamente com as mãos, para Deus nos céus, dizendo:

[27] Kuhle kumuntu ukuba athwale ijoka ebusheni bakhe.
[28]Makahlale yedwa, athule, lapho emthwesa lona.
[29]Makabeke umlomo wakhe othulini; mhlawumbe kungaba khona ithemba.
[30] Makanike isihlathi sakhe komshayayo, asuthe ngenhlamba.
[31] Ngokuba uJehova akayikulahla kuze kube phakade.
[32]Ngokuba noma edabukisile, uyakuhawukela nokho ngokobukhulu bomusa wakhe.
[33]Ngokuba akahluphi, angadabukisi abantwana babantu ngenxa yokuba ekuthanda.
[34]Ukuphahlaza phansi kwezinyawo zonke iziboshwa zasemhlabeni,
[35]nokuchezukisa imfanelo yomuntu phambi kobuso boPhezukonke,
[36]nokona umuntu ecaleni lakhe, iNkosi ayikuboni lokhu na?
[37] Kwasho ubani, kwenzakala, iNkosi ingakuyalelanga, na?
[38] Akuphumi okuhle nokubi emlonyeni woPhezukonke na?
[39] Ukhononelani umuntu ophilayo, umuntu ojeziswa ngezono zakhe, na?
[40]Masiphenye, sicinge izindlela zethu, sibuyele kuJehova.
[41]Masiphakamise izinhliziyo zethu kanye nezandla zethu kuNkulunkulu ezulwini.

[42] Nós prevaricamos e fomos rebeldes, e tu não nos perdoaste.
[43] Cobriste-nos de ira e nos perseguiste; e sem piedade nos mataste.
[44] De nuvens te encobriste para que não passe a nossa oração.
[45] Como cisco e refugo nos puseste no meio dos povos.
[46] Todos os nossos inimigos abriram contra nós a boca.
[47] Sobre nós vieram o temor e a cova, a assolação e a ruína.
[48] Dos meus olhos se derramam torrentes de águas, por causa da destruição da filha do meu povo.
[49] Os meus olhos choram, não cessam, e não há descanso,
[50] até que o SENHOR atenda e veja lá do céu.
[51] Os meus olhos entristecem a minha alma, por causa de todas as filhas da minha cidade.
[52] Caçaram-me, como se eu fosse ave, os que sem motivo são meus inimigos.
[53] Para me destruírem, lançaram-me na cova e atiraram pedras sobre mim.
[54] Águas correram sobre a minha cabeça; então, disse: estou perdido!
[55] Da mais profunda cova, SENHOR, invoquei o teu nome.
[56] Ouviste a minha voz; não escondas o ouvido aos meus lamentos, ao meu clamor.
[57] De mim te aproximaste no dia em que te invoquei; disseste: Não temas.

[42] Siphambukile, sahlubuka; wena awukuyekelanga.
[43]Wazembesa ulaka, wasixosha, wabulala, ungahawukelanga.
[44]Wazembesa ifu, ukuze imikhuleko yethu ingafinyeleli.
[45]Usenze umphucuzo nemfucumfucu phakathi kwabantu.
[46] Zonke izitha zethu zisikhamisele imilomo yazo.
[47] Uvalo nomgodi kusehlele, ukubhujiswa nokuchithwa.
[48] Iso lami liyamululeka imifula yamanzi ngenxa yokuchithwa kwendodakazi yabantu bami.
[49]Iso lami liyamululeka, alinqamuki; akukho ukukhawuka,
[50]aze abheke uJehova, abone esezulwini.
[51]Iso lami lenza umphefumulo wami ube buhlungu ngenxa yawo onke amadodakazi omuzi wakithi.
[52]Abayizitha zami ngeze bangizingele nokungizingela njengenyoni.
[53] Banqume ukuphila kwami emgodini, bangiphonsa ngetshe.
[54]Amanzi aminzisa ikhanda lami. Ngathi: Nginqunyiwe.
[55] Ngalibiza igama lakho, Jehova, ngisemgodini phansi.
[56]Wezwa izwi lami; ungasithezi indlebe yakho lapho ngikhalela ukusizwa.
[57] Wasondela ngosuku lokubiza kwami, wathi: Ungesabi.

[58] Pleiteaste, SENHOR, a causa da minha alma, remiste a minha vida.
[59] Viste, SENHOR, a injustiça que me fizeram; julga a minha causa.
[60] Viste a sua vingança toda, todos os seus pensamentos contra mim.
[61] Ouviste as suas afrontas, SENHOR, todos os seus pensamentos contra mim;
[62] as acusações dos meus adversários e o seu murmurar contra mim, o dia todo.
[63] Observa-os quando se assentam e quando se levantam; eu sou objeto da sua canção.
[64] Tu lhes darás a paga, SENHOR, segundo a obra das suas mãos.
[65] Tu lhes darás cegueira de coração, a tua maldição imporás sobre eles.
[66] Na tua ira, os perseguirás, e eles serão eliminados de debaixo dos céus do SENHOR.

Lamentações 4

Os sofrimentos do cerco

[1] Como se escureceu o ouro! Como se mudou o ouro refinado! Como estão espalhadas as pedras do santuário pelas esquinas de todas as ruas!

[2] Os nobres filhos de Sião, comparáveis a puro ouro, como são agora reputados por objetos de barro, obra das mãos de oleiro!

[3] Até os chacais dão o peito, dão de mamar a seus filhos; mas a filha do meu povo tornou-se cruel como os avestruzes no deserto.

[58]Nkosi, umela indaba yomphefumulo wami, uyahlenga ukuphila kwami.
[59]Jehova, uyabona ukoniwa kwami; thetha indaba yami.
[60]Uyabona konke ukuphindisa kwabo nawo onke amacebo abo ngami.
[61]Uyezwa inhlamba yabo, Jehova, nawo onke amacebo abo ngami,
[62]izindebe zabangivukeleyo nemicabango yabo ngami izinsuku zonke.

[63]Bheka ukuhlala kwabo nokuvuka kwabo; ngihaywa yibo.

[64] Uyakubaphindisela, Jehova, ngokwemisebenzi yezandla zabo.
[65] Uyakubanika isimbozo senhliziyo, isiqalekiso sakho sibe phezu kwabo.
[66]Uyakubaxosha ngentukuthelo, ubabhubhise, bangabe besaba khona phansi kwezulu likaJehova.

IsiLilo 4

Intukuthelo kaJehova ngeJerusalema

[1]Yeka ukufiphala kwegolide nokuguquka kwegolide elihle! Amatshe endlu engcwele ahlakazekile ezingosini zazo zonke izitaladi.

[2] Amadodana anqabileyo aseSiyoni, elingene negolide elihle, yeka ukuthiwa kwawo ayizitsha zebumba, imisebenzi yezandla zombumbi!

[3] Namakhanka ehlisa, ancelise amazinyane awo. Indodakazi yabantu bami isinonya, njengezintshe zasehlane.

[4] A língua da criança que mama fica pegada, pela sede, ao céu da boca; os meninos pedem pão, e ninguém há que lho dê.

[5] Os que se alimentavam de comidas finas desfalecem nas ruas; os que se criaram entre escarlata se apegam aos monturos.

[6] Porque maior é a maldade da filha do meu povo do que o pecado de Sodoma, que foi subvertida como num momento, sem o emprego de mãos nenhumas.

[7] Os seus príncipes eram mais alvos do que a neve, mais brancos do que o leite; eram mais ruivos de corpo do que os corais e tinham a formosura da safira.

[8] Mas, agora, escureceu-se-lhes o aspecto mais do que a fuligem; não são conhecidos nas ruas; a sua pele se lhes pegou aos ossos, secou-se como uma madeira.

[9] Mais felizes foram as vítimas da espada do que as vítimas da fome; porque estas se definham atingidas mortalmente pela falta do produto dos campos.

[10] As mãos das mulheres outrora compassivas cozeram seus próprios filhos; estes lhes serviram de alimento na destruição da filha do meu povo.

[11] Deu o SENHOR cumprimento à sua indignação, derramou o ardor da sua ira; acendeu fogo em Sião, que consumiu os seus fundamentos.

[12] Não creram os reis da terra, nem todos os moradores do mundo, que entrasse o adversário e o inimigo pelas portas de Jerusalém.

[4] Ulimi loncelayo lunamathela olwangeni lwakhe ngokoma. Izingane zicela isinkwa, kepha akakho ozihlephulelayo.

[5]Abakade bedla okumnandi sebechithakele ezitaladini. Ababekhuliswa ngokububende sebesingatha izala.

[6] Ukona kwendodakazi yabantu bami kukhulu kunesono saseSodoma elachithwa ngokuphazima kweso, kungasondelanga zandla kulo.

[7]Abakhulu balo babehlambulukile kunongqoqwane, babe mhlophe kunobisi; imizimba yabo yayibomvana kunekorali, isimo sabo sasinjengesafire.

[8]Ubuso babo sebumnyama kunelahle, abaziwa ezitaladini. Isikhumba sabo sinamathela emathanjeni abo, sishwabene, saba njengomuthi.

[9] Babe ngcono ababebulawa ngenkemba kunababebulawa ngendlala, ababuna behlatshiwe ngokuswela ukudla kwensimu.

[10] Izandla zabesifazane abahawukelayo zapheka izingane zabo; zazingukudla kwabo ngokuchithwa kwendodakazi yabantu bami.

[11] UJehova ufezile ukufutheka kwakhe, uthululile ukufutheka kwentukuthelo yakhe; uphembile umlilo eSiyoni oqedile izisekelo zalo.

[12]Amakhosi omhlaba ayengakholwa kanye nabo bonke abakhileyo ezweni ukuthi abamelene nabo nezitha zabo

babeyakungena emasangweni aseJerusalema.

[13] Foi por causa dos pecados dos seus profetas, das maldades dos seus sacerdotes que se derramou no meio dela o sangue dos justos.

[13] Kungenxa yezono zabaprofethi balo nobubi babapristi balo ababechitha igazi labalungileyo phakathi kwalo.

[14] Erram como cegos nas ruas, andam contaminados de sangue, de tal sorte que ninguém lhes pode tocar nas roupas.

[14]Bazulazula njengezimpumputhe ezitaladini, bengcolile ngegazi ngangokuba zazingenakuthintwa izingubo zabo.

[15] Apartai-vos, imundos! – gritavam-lhes; apartai-vos, apartai-vos, não toqueis! Quando fugiram errantes, dizia-se entre as nações: Jamais habitarão aqui.

[15] Chezukani, ningcolile! bamemeza kubo: Chezukani, chezukani, ningathinti! Lapho bebaleka bezulazula, bathi phakathi kwabezizwe: Abasayikugogobala lapha.

[16] A ira do SENHOR os espalhou; ele jamais atentará para eles; o inimigo não honra os sacerdotes, nem se compadece dos anciãos.

[16]Ubuso bukaJehova buyabahlakaza, akasayikubanakekela. Abahloniphi ubuso babapristi, kababanga namusa kumalunga.

[17] Os nossos olhos ainda desfalecem, esperando vão socorro; temos olhado das vigias para um povo que não pode livrar.

[17]Amehlo ethu ayaphela ukubheka usizo lwethu oluyize; ekulindeni kwethu silindela isizwe esingenakusindisa.

[18] Espreitavam os nossos passos, de maneira que não podíamos andar pelas nossas praças; aproximava-se o nosso fim, os nossos dias se cumpriam, era chegado o nosso fim.

[18]Bazingela izinyathelo zethu ukuba singahambi ezigcawini zethu. Ukugcina kwethu kuseduze, izinsuku zethu zigcwele, yebo, ukugcina kwethu kufikile.

[19] Os nossos perseguidores foram mais ligeiros do que as aves dos céus; sobre os montes nos perseguiram, no deserto nos armaram ciladas.

[19]Abasixoshayo babenejubane kunezinkozi zezulu; basizingela ezintabeni, basiqamekela ehlane.

[20] O fôlego da nossa vida, o ungido do SENHOR, foi preso nos forjes deles; dele dizíamos: debaixo da sua sombra, viveremos entre as nações.

[20] Umoya wamakhala ethu, ogcotshiweyo kaJehova, wabanjwa emigodini yabo, esathi ngaye: Phansi kwethunzi lakhe siyakuphila phakathi kwezizwe.

[21] Regozija-te e alegra-te, ó filha de Edom, que habitas na terra de Uz; o cálice se passará também a ti; embebedar-te-ás e te desnudarás.

[22] O castigo da tua maldade está consumado, ó filha de Sião; o SENHOR nunca mais te levará para o exílio; a tua maldade, ó filha de Edom, descobrirá os teus pecados.

Lamentações 5

Os fiéis pedem misericórdia

[1] Lembra-te, SENHOR, do que nos tem sucedido; considera e olha para o nosso opróbrio.

[2] A nossa herança passou a estranhos, e as nossas casas, a estrangeiros;

[3] somos órfãos, já não temos pai, nossas mães são como viúvas.

[4] A nossa água, por dinheiro a bebemos, por preço vem a nossa lenha.

[5] Os nossos perseguidores estão sobre o nosso pescoço; estamos exaustos e não temos descanso.

[6] Submetemo-nos aos egípcios e aos assírios, para nos fartarem de pão.

[7] Nossos pais pecaram e já não existem; nós é que levamos o castigo das suas iniqüidades.

[8] Escravos dominam sobre nós; ninguém há que nos livre das suas mãos.

[9] Com perigo de nossa vida, providenciamos o nosso pão, por causa da espada do deserto.

[10] Nossa pele se esbraseia como um forno, por causa do ardor da fome.

[21] Jabula, uthokoze, ndodakazi yakwa-Edomi, ohlala ezweni lase-Uzi. Indebe iyakudlulela nakuwena; uyakudakwa, uzenze nqunu.

[22] Ububi bakho sebuphelile, ndodakazi yaseSiyoni, kasayikukuthumba. Ububi bakho, ndodakazi yakwa-Edomi, uyakubuhambela, azambule izono zakho.

IsiLilo 5

Umkhuleko wokuzwelwa

[1]Khumbula, Jehova, esehlelwe yikho; bheka, ubone ihlazo lethu.

[2] Ifa lethu seliphendulelwe abafokazi, nezindlu zethu kwabezizwe.

[3]Siyizintandane, asinababa; omame banjengabafelokazi.

[4]Amanzi ethu siyawaphuza ngemali, izinkuni zethu ziza ngentengo.

[5]Abasixoshayo basezintayeni zethu; sikhathele, asinakuphumula.

[6]Sinike isandla sethu kulo iGibithe nakulo i-Asiriya ukuba sisuthe isinkwa.

[7] Obaba bona abasekho; thina sithwala ububi babo.

[8]Izigqila ziyasibusa; akakho osikhulula esandleni sabo.

[9]Sithola ukudla kwethu ngokuzidela amathambo ngenxa yenkemba yasehlane.

[10]Isikhumba sethu siyasha njengeziko ngokushisa kwendlala.

[11] Forçaram as mulheres em Sião; as virgens, nas cidades de Judá.
[12] Os príncipes foram por eles enforcados, as faces dos velhos não foram reverenciadas.
[13] Os jovens levaram a mó, os meninos tropeçaram debaixo das cargas de lenha;
[14] os anciãos já não se assentam na porta, os jovens já não cantam.
[15] Cessou o júbilo de nosso coração, converteu-se em lamentações a nossa dança.
[16] Caiu a coroa da nossa cabeça; ai de nós, porque pecamos!
[17] Por isso, caiu doente o nosso coração; por isso, se escureceram os nossos olhos.
[18] Pelo monte Sião, que está assolado, andam as raposas.
[19] Tu, SENHOR, reinas eternamente, o teu trono subsiste de geração em geração.
[20] Por que te esquecerias de nós para sempre? Por que nos desampararias por tanto tempo?
[21] Converte-nos a ti, SENHOR, e seremos convertidos; renova os nossos dias como dantes.
[22] Por que nos rejeitarias totalmente? Por que te enfurecerias sobremaneira contra nós outros?

[11]Balala nabesifazane eSiyoni, izintombi zasemizini yakwaJuda.
[12] Izikhulu zaphanyekwa ngezandla zabo; ubuso babadala ababuhloniphanga.
[13]Izinsizwa zathwala amatshe okugaya, abantwana bakhubeka phansi kwezinkuni.
[14]Abadala baphelile esangweni, nezinsizwa ekuhlabeleleni kwazo.
[15] Intokozo yenhliziyo yethu iphelile; ukusina kwethu kuphenduke ukulila.
[16] Umqhele uwile ekhanda lethu. Maye kithina, ngokuba sonile!
[17]Ngalokho inhliziyo yethu idangele; ngalezi zinto amehlo ethu afiphele,
[18]ngenxa yentaba yaseSiyoni echithekile, zize zihambe kuyo izimpungushe.
[19] Wena Jehova umi phakade; isihlalo sakho sobukhosi sikhona ezizukulwaneni ngezizukulwane.
[20]Usikhohlelwani kuze kube phakade, usishiye izinsuku eziningi, na?
[21] Sibuyisele kuwe Jehova, siyakubuya; yenza izinsuku zethu zibe zintsha njengasendulo,
[22]ngokuba usilahlile nokusilahla, wasithukuthelela kakhulu.

Ezequiel	UHezekeli

Ezequiel 1

A visão dos quatro querubins

[1] Aconteceu no trigésimo ano, no quinto dia do quarto mês, que, estando eu no meio dos exilados, junto ao rio Quebar, se abriram os céus, e eu tive visões de Deus.

[2] No quinto dia do referido mês, no quinto ano de cativeiro do rei Joaquim,
[3] veio expressamente a palavra do SENHOR a Ezequiel, filho de Buzi, o sacerdote, na terra dos caldeus, junto ao rio Quebar, e ali esteve sobre ele a mão do SENHOR.

[4] Olhei, e eis que um vento tempestuoso vinha do Norte, e uma grande nuvem, com fogo a revolver-se, e resplendor ao redor dela, e no meio disto, uma coisa como metal brilhante, que saía do meio do fogo.

[5] Do meio dessa nuvem saía a semelhança de quatro seres viventes, cuja aparência era esta: tinham a semelhança de homem.
[6] Cada um tinha quatro rostos, como também quatro asas.

[7] As suas pernas eram direitas, a planta de cujos pés era como a de um bezerro e luzia como o brilho de bronze polido.

[8] Debaixo das asas tinham mãos de homem, aos quatro lados; assim todos os quatro tinham rostos e asas.

UHezekeli 1

Umprofethi ubona uNkulunkulu

[1]Kwathi ngomnyaka wamashumi amathathu ngenyanga yesine ngolwesihlanu, ngiphakathi kwabathunjwa ngasemfuleni iKhebari, lavuleka izulu, ngabona imibono ngoNkulunkulu.
[2] Ngolwesihlanu lwenyanga ngomnyaka wesihlanu wokuthunjwa kukaJehoyakini
[3]izwi likaJehova lafika kuHezekeli umpristi, indodana kaBuzi, ezweni lamaKaledi ngasemfuleni iKhebari. Isandla sikaJehova sasiphezu kwakhe lapho.
[4] Ngabona, bheka, kwavela umoya wesivunguvungu enyakatho, ifu elikhulu elinomlilo ovuthayo nokukhanya nxazonke zalo, kuphuma phakathi kwalo kungathi ithusi elikhazimulayo, kuvela emlilweni.
[5]Phakathi kwakho kwaphuma umfanekiso wezidalwa ezine, nesimo sazo sasiyilesi: zafana nabantu,
[6]kepha yileso naleso sasinobuso obune, futhi sasinamaphiko amane;
[7]imilenze yazo yayiqondile, amathe ezinyawo zazo ayenjengamathe ezinyawo zethole; zazimenyezela njengethusi eliphucuziweyo.
[8]Zazinezandla zomuntu phansi kwamaphiko azo ezinhlangothini zazo zozine. Ubuso namaphiko alezi ezine kwakunje:

9 Estas se uniam uma à outra; não se viravam quando iam; cada qual andava para a sua frente.

10 A forma de seus rostos era como o de homem; à direita, os quatro tinham rosto de leão; à esquerda, rosto de boi; e também rosto de águia, todos os quatro.

11 Assim eram os seus rostos. Suas asas se abriam em cima; cada ser tinha duas asas, unidas cada uma à do outro; outras duas cobriam o corpo deles.

12 Cada qual andava para a sua frente; para onde o espírito havia de ir, iam; não se viravam quando iam.

13 O aspecto dos seres viventes era como carvão em brasa, à semelhança de tochas; o fogo corria resplendente por entre os seres, e dele saíam relâmpagos,

14 os seres viventes ziguezagueavam à semelhança de relâmpagos.

A visão das quatro rodas

15 Vi os seres viventes; e eis que havia uma roda na terra, ao lado de cada um deles.

16 O aspecto das rodas e a sua estrutura eram brilhantes como o berilo; tinham as quatro a mesma aparência, cujo aspecto e estrutura eram como se estivera uma roda dentro da outra.

9amaphiko azo ayehlangene, elinye nelinye; aziphendukanga ekuhambeni kwazo, yileso naleso sahamba ngokuqonda kobuso baso.

10Isimo sobuso bazo sasingubuso bomuntu, zozine zinobuso bengonyama ngakwesokunene, zozine zinobuso benkomo ngakwesokhohlo, zozine zinobuso bokhozi futhi.

11Babunjalo ubuso bazo. Amaphiko azo ayahlukene phezulu; kuleso naleso amabili ayehlangene, elinye nelinye; amabili ayembesa imizimba yazo.

12Zahamba zonke ngokuqonda kobuso bazo, zaya khona, lapho umoya wayethanda ukuya khona, aziphendukanga ekuhambeni kwazo.

13Isimo sezidalwa sasinjengamalahle omlilo avutha njengezibani, ahambahamba phakathi kwezidalwa; umlilo wamenyezela, nasemlilweni kwaphuma unyazi.

14Izidalwa zagijima, zabuya njengombani.

15Ngisabuka izidalwa, bheka, nanto isondo emhlabathini eceleni kwezidalwa, kuleso naleso sazo zozine.

16Ukubonakala kwamasondo nokwenziwa kwawo kwakunjengekrisolithe, nezimo zawo omane zaziyintonye. Ukubonakala kwawo nokwenziwa kwawo kwakunjengokuba kukhona isondo phakathi kwesondo.

[17] Andando elas, podiam ir em quatro direções; e não se viravam quando iam.

[18] As suas cambotas eram altas, e metiam medo; e, nas quatro rodas, as mesmas eram cheias de olhos ao redor.

[19] Andando os seres viventes, andavam as rodas ao lado deles; elevando-se eles, também elas se elevavam.

[20] Para onde o espírito queria ir, iam, pois o espírito os impelia; e as rodas se elevavam juntamente com eles, porque nelas havia o espírito dos seres viventes.

[21] Andando eles, andavam elas e, parando eles, paravam elas, e, elevando-se eles da terra, elevavam-se também as rodas juntamente com eles; porque o espírito dos seres viventes estava nas rodas.

[22] Sobre a cabeça dos seres viventes havia algo semelhante ao firmamento, como cristal brilhante que metia medo, estendido por sobre a sua cabeça.

[23] Por debaixo do firmamento, estavam estendidas as suas asas, a de um em direção à de outro; cada um tinha outras duas asas com que cobria o corpo de um e de outro lado.

[24] Andando eles, ouvi o tatalar das suas asas, como o rugido de muitas águas, como a voz do Onipotente; ouvi o

[17]Ekuhambeni kwawo aya ezinhlangothini zozine; awaphendukanga ekuhambeni kwawo.

[18]Amafelange awo ayephakeme, ayesabeka; amafelange omane ayegcwele amehlo nxazonke.

[19]Ekuhambeni kwezidalwa amasondo ahamba eceleni kwazo, nasekuphakanyisweni kwezidalwa emhlabeni namasondo aphakanyiswa.

[20]Lapho umoya wayethanda ukuya khona, aya khona, yebo, lapho umoya wayethanda khona; namasondo aphakanyiswa kanye nazo, ngokuba umoya wezidalwa wayesemasondweni.

[21]Ekuhambeni kwazo nawo ahamba; ekumeni kwazo nawo ema; ekuphakanyisweni kwazo emhlabeni aphakanyiswa namasondo kanye nazo, ngokuba umoya wezidalwa wayesemasondweni.

[22]Phezu kwamakhanda ezidalwa kwakukhona kungathi umkhathi unjengekristalu elimangalisayo, owenekwe phezu kwamakhanda azo phezulu.

[23]Phansi komkhathi amaphiko azo ayeqondene, elinye nelinye, yileso naleso sinamabili embesa imizimba yazo ngalapha, sinamabili embesa ngalapha.

[24] Ekuhambeni kwazo ngezwa umsindo wamaphiko azo njengomsindo wamanzi amaningi njengezwi likaSomandla, nomsindo wesidumo njengomsindo

estrondo tumultuoso, como o tropel de um exército. Parando eles, abaixavam as asas.
[25] Veio uma voz de cima do firmamento que estava sobre a sua cabeça. Parando eles, abaixavam as asas.

A visão da glória divina

[26] Por cima do firmamento que estava sobre a sua cabeça, havia algo semelhante a um trono, como uma safira; sobre esta espécie de trono, estava sentada uma figura semelhante a um homem.

[27] Vi-a como metal brilhante, como fogo ao redor dela, desde os seus lombos e daí para cima; e desde os seus lombos e daí para baixo, vi-a como fogo e um resplendor ao redor dela.

[28] Como o aspecto do arco que aparece na nuvem em dia de chuva, assim era o resplendor em redor. Esta era a aparência da glória do SENHOR; vendo isto, caí com o rosto em terra e ouvi a voz de quem falava.

Ezequiel 2

A vocação de Ezequiel

[1] Esta voz me disse: Filho do homem, põe-te em pé, e falarei contigo.

[2] Então, entrou em mim o Espírito, quando falava comigo, e me pôs em pé, e ouvi o que me falava.
[3] Ele me disse: Filho do homem, eu te envio aos filhos de Israel, às nações

wempi; ekumeni kwazo zawehlisa amaphiko azo.
[25]Kwavela izwi phezu komkhathi owawuphezu kwamakhanda azo; ekumeni kwazo zawehlisa amaphiko azo.

[26] Phezu komkhathi owawuphezu kwamakhanda azo kwakunjengokungathi isihlalo sobukhosi, isimo saso sinjengetshe lesafire. Phezu kokwakunjengesihlalo sobukhosi kwakukhona okufana nomuntu phezu kwaso ngaphezulu.
[27]Ngase ngibona okunjengethusi elikhazimulayo, kufana nomlilo phakathi kwakho nxazonke, kusukela kokungathi ukhalo lwakhe kuya phezulu; kusukela kokungathi ukhalo lwakhe kuya ngaphansi ngabona okufana nomlilo; kwamenyezela nxazonke kwawo.
[28] Njengothingo olusemafwini ngosuku lwemvula kwabonakala kanjalo ukumenyezela nxazonke. Kwakunjengesimo senkazimulo kaJehova. Lapho ngiyibona, ngawa ngobuso, ngezwa izwi lokhulumayo.

UHezekeli 2

Ukubizwa kukaHezekeli

[1]Wathi kimi: Ndodana yomuntu, yima ngezinyawo zakho, ngiyakukhuluma nawe.
[2] Kwangena kimi uMoya esakhuluma kimi, wangimisa ngezinyawo zami, ngamuzwa owakhuluma kimi.
[3]Wathi kimi: Ndodana yomuntu, ngiyakuthuma kubantwana bakwa-

rebeldes que se insurgiram contra mim; eles e seus pais prevaricaram contra mim, até precisamente ao dia de hoje.

[4] Os filhos são de duro semblante e obstinados de coração; eu te envio a eles, e lhes dirás: Assim diz o SENHOR Deus.

[5] Eles, quer ouçam quer deixem de ouvir, porque são casa rebelde, hão de saber que esteve no meio deles um profeta.

[6] Tu, ó filho do homem, não os temas, nem temas as suas palavras, ainda que haja sarças e espinhos para contigo, e tu habites com escorpiões; não temas as suas palavras, nem te assustes com o rosto deles, porque são casa rebelde.

[7] Mas tu lhes dirás as minhas palavras, quer ouçam quer deixem de ouvir, pois são rebeldes.

Visão do rolo de um livro

[8] Tu, ó filho do homem, ouve o que eu te digo, não te insurjas como a casa rebelde; abre a boca e come o que eu te dou.

[9] Então, vi, e eis que certa mão se estendia para mim, e nela se achava o rolo de um livro.

[10] Estendeu-o diante de mim, e estava escrito por dentro e por fora; nele, estavam escritas lamentações, suspiros e ais.

Ezequiel 3

Israyeli, izizwe ezambukayo ezingihlubukile; bona nawoyise baphambukile kimi kuze kube namuhla.

[4] Bangabantwana abanobuso obulukhuni nenhliziyo enqala; ngiyakuthuma kubo; uyakuthi kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi:

[5] Bona-ke, noma bezwa noma benganaki, ngokuba bayindlu ehlubukayo, bayakwazi nokho ukuthi kade ekhona umprofethi phakathi kwabo.

[6] Wena ndodana yomuntu, ungabesabi, ungesabi namazwi abo, noma amakhakhasi nameva kukuwe, uhlezi phakathi kwawofezela; ungawesabi amazwi abo, ungapheli amandla ngobuso babo, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

[7]Uyakukhuluma amazwi ami kubo, noma bezwa noma benganaki, ngokuba bangabahlubuki.

[8] Kepha wena ndodana yomuntu, yizwa engikukhulumayo kuwe, ungabi ngumhlubuki njengale ndlu ehlubukayo; vula umlomo wakho, udle engikunika khona.

[9]Ngase ngibheka, naso isandla saselulelwe kimi, naphakathi kwaso, bheka, ngumqulu wencwadi.

[10]Waweneka phambi kwami; wawulotshiwe ngaphakathi nangaphandle, kubhaliwe kuwo izililo nezililiselo, nokuthi: Maye!

UHezekeli 3

[1] Ainda me disse: Filho do homem, come o que achares; come este rolo, vai e fala à casa de Israel.
[2] Então, abri a boca, e ele me deu a comer o rolo.

[3] E me disse: Filho do homem, dá de comer ao teu ventre e enche as tuas entranhas deste rolo que eu te dou. Eu o comi, e na boca me era doce como o mel.

O comissionamento do profeta

[4] Disse-me ainda: Filho do homem, vai, entra na casa de Israel e dize-lhe as minhas palavras.

[5] Porque tu não és enviado a um povo de estranho falar nem de língua difícil, mas à casa de Israel;

[6] nem a muitos povos de estranho falar e de língua difícil, cujas palavras não possas entender; se eu aos tais te enviasse, certamente, te dariam ouvidos.

[7] Mas a casa de Israel não te dará ouvidos, porque não me quer dar ouvidos a mim; pois toda a casa de Israel é de fronte obstinada e dura de coração.
[8] Eis que fiz duro o teu rosto contra o rosto deles e dura a tua fronte, contra a sua fronte.
[9] Fiz a tua fronte como o diamante, mais dura do que a pederneira; não os temas, pois, nem te assustes com o seu rosto, porque são casa rebelde.
[10] Ainda me disse mais: Filho do homem, mete no coração todas as minhas palavras

[1]Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, yidla okufumanayo, udle lo mqulu, uye ukhulume kuyo indlu yakwa-Israyeli.
[2]Ngavula umlomo wami, wangidlisa umqulu.
[3] Wathi kimi: Ndodana yomuntu, sidlise isisu sakho, ugcwalise izibilini zakho ngalo mqulu engikunika wona. Ngase ngiwudla, wawumnandi emlonyeni wami njengezinyosi.

[4]Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, hamba uye endlini yakwa-Israyeli, ukhulume kuyo ngamazwi ami.
[5]Ngokuba awuthunywa kubantu abankulumo yabo ilukhuni nolimi lwabo lungaqondakali, kepha endlini yakwa-Israyeli,
[6]kungekubantu abaningi abankulumo yabo ilukhuni nolimi lwabo lungaqondakali, ongawezwa amazwi abo. Impela uma bengikuthume kubo, bona babeyakukuzwa.
[7] Kepha indlu yakwa-Israyeli kayiyikukuzwa, ngokuba ayingizwa mina, lokhu indlu yakwa-Israyeli inebunzi elilukhuni nenhliziyo enqala.
[8] Bheka, ngenze ubuso bakho bube lukhuni njengobuso babo, nebunzi lakho libe nqala njengamabunzi abo.
[9] Ngenze ibunzi lakho njengedayimani, elilukhuni kunensengetsha; ungabesabi, ungapheli amandla ngobuso babo, noma beyindlu ehlubukayo.
[10]Futhi wathi kimi: Ndodana yomuntu, onke amazwi ami engiyakuwakhuluma

que te hei de falar e ouve-as com os teus ouvidos.

[11] Eia, pois, vai aos do cativeiro, aos filhos do teu povo, e, quer ouçam quer deixem de ouvir, fala com eles, e dize-lhes: Assim diz o SENHOR Deus.

[12] Levantou-me o Espírito, e ouvi por detrás de mim uma voz de grande estrondo, que, levantando-se do seu lugar, dizia: Bendita seja a glória do SENHOR.

[13] Ouvi o tatalar das asas dos seres viventes, que tocavam umas nas outras, e o barulho das rodas juntamente com eles e o sonido de um grande estrondo.

[14] Então, o Espírito me levantou e me levou; eu fui amargurado na excitação do meu espírito; mas a mão do SENHOR se fez muito forte sobre mim.

[15] Então, fui a Tel-Abibe, aos do exílio, que habitavam junto ao rio Quebar, e passei a morar onde eles habitavam; e, por sete dias, assentei-me ali, atônito, no meio deles.

O atalaia de Israel

[16] Findos os sete dias, veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[17] Filho do homem, eu te dei por atalaia sobre a casa de Israel; da minha boca ouvirás a palavra e os avisarás da minha parte.

[18] Quando eu disser ao perverso: Certamente, morrerás, e tu não o avisares e nada disseres para o advertir do seu mau caminho, para lhe salvar a vida, esse

kuwe wamukele enhliziyweni yakho, uzwe ngezindlebe zakho.

[11]Hamba uye kubathunjwa, kubantwana babantu bakho, ukhulume kubo, uthi kubo: Isho njalo iNkosi uJehova, noma bezwa noma benganaki.

[12]Wayesengiphakamisa uMoya, ngezwa emva kwami izwi lokuduma okukhulu, lathi: Mayibusiswe inkazimulo kaJehova endaweni yakhe;

[13]nomsindo wamaphiko ezidalwa athintanayo, nomsindo wamasondo eceleni kwazo, umsindo wokukhulu ukuduma.

[14] UMoya wayesengiphakamisa, wangisusa; ngahamba nginomunyu ngokufutheka komoya wami; isandla sikaJehova saba namandla phezu kwami.

Umprofethi ungumlindi

[15]Ngafika kubathunjwa ngaseTheli Abibi ababehlezi ngasemfuleni iKhebari, lapho babehlala khona; ngahlala khona phakathi kwabo izinsuku eziyisikhombisa ngimangele.

[16]Kwathi ekugcineni kwezinsuku eziyisikhombisa izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[17] Ndodana yomuntu, ngikwenze umlindi kuyo indlu yakwa-Israyeli; ngalokho yizwa izwi emlonyeni wami, ungixwayisele bona.

[18]Lapho ngithi komubi: Uyakufa nokufa, bese wungamxwayisi, ungakhulumi ukumxwayisa omubi ngendlela yakhe ukuba umsindise, yena lowo omubi

perverso morrerá na sua iniqüidade, mas o seu sangue da tua mão o requererei.

19 Mas, se avisares o perverso, e ele não se converter da sua maldade e do seu caminho perverso, ele morrerá na sua iniqüidade, mas tu salvaste a tua alma.

20 Também quando o justo se desviar da sua justiça e fizer maldade, e eu puser diante dele um tropeço, ele morrerá; visto que não o avisaste, no seu pecado morrerá, e suas justiças que praticara não serão lembradas, mas o seu sangue da tua mão o requererei.

21 No entanto, se tu avisares o justo, para que não peque, e ele não pecar, certamente, viverá, porque foi avisado; e tu salvaste a tua alma.

22 A mão do SENHOR veio sobre mim, e ele me disse: Levanta-te e sai para o vale, onde falarei contigo.

23 Levantei-me e saí para o vale, e eis que a glória do SENHOR estava ali, como a glória que eu vira junto ao rio Quebar; e caí com o rosto em terra.

24 Então, entrou em mim o Espírito, e me pôs em pé, e falou comigo, e me disse: Vai e encerra-te dentro da tua casa.

25 Porque, ó filho do homem, eis que porão cordas sobre ti e te ligarão com elas; e não sairás ao meio deles.

uyakufela ezonweni zakhe, kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni sakho.

19Kepha wena, uma umxwayisa omubi, angaze abuya ebubini bakhe nasendleleni yakhe embi, uyakufela ezonweni zakhe, kepha wena uwophulile umphefumulo wakho.

20 Lapho olungileyo ephenduka ekulungeni kwakhe, enze okubi, ngibeke isikhubekiso phambi kwakhe, uyakufa. Uma ungamxwayisanga, uyakufela ezonweni zakhe, nezenzo zakhe ezilungileyo azenzileyo aziyikukhunjulwa, kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni sakho.

21Kepha uma umxwayisa olungileyo ukuba olungileyo angoni, abese engoni, uyakuphila nokuphila, ngokuba exwayile; wena-ke uwophulile umphefumulo wakho.

22Isandla sikaJehova saba phezu kwami lapho, wathi kimi: Suka, uphume uye ethafeni, ngiyakukhuluma nawe khona.

23 Ngasuka, ngaphuma ngaya ethafeni; bheka, inkazimulo kaJehova yayimi khona njengenkazimulo engayibona ngasemfuleni iKhebari, ngawa ngobuso bami.

24 UMoya wayesengena kimi, wangimisa ngezinyawo zami, wakhuluma kimi, wathi kimi: Hamba uzivalele endlini yakho.

25Kepha wena ndodana yomuntu, bheka, bayakufaka amagoda kuwe, bakubophe ngawo; awuyikuphumela phakathi kwabo.

[26] Farei que a tua língua se pegue ao teu paladar, ficarás mudo e incapaz de os repreender; porque são casa rebelde.

[27] Mas, quando eu falar contigo, darei que fale a tua boca, e lhes dirás: Assim diz o SENHOR Deus: Quem ouvir ouça, e quem deixar de ouvir deixe; porque são casa rebelde.

Ezequiel 4

O cerco simbólico de Jerusalém

[1] Tu, pois, ó filho do homem, toma um tijolo, põe-no diante de ti e grava nele a cidade de Jerusalém.

[2] Põe cerco contra ela, edifica contra ela fortificações, levanta contra ela tranqueiras e põe contra ela arraiais e aríetes em redor.

[3] Toma também uma assadeira de ferro e põe-na por muro de ferro entre ti e a cidade; dirige para ela o rosto, e assim será cercada, e a cercarás; isto servirá de sinal para a casa de Israel.

[4] Deita-te também sobre o teu lado esquerdo e põe a iniqüidade da casa de Israel sobre ele; conforme o número dos dias que te deitares sobre ele, levarás sobre ti a iniqüidade dela.

[5] Porque eu te dei os anos da sua iniqüidade, segundo o número dos dias, trezentos e noventa dias; e levarás sobre ti a iniqüidade da casa de Israel.

[26]Ngiyakunamathelisa ulimi lwakho olwangeni lwakho ukuba ube yisimungulu, ungabi ngumuntu obayalayo, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

[27] Kepha lapho ngikhuluma nawe, ngiyakuwuvula umlomo wakho, wena uthi kubo: Isho njalo iNkosi uJehova. Ozwayo makezwe, onganakiyo kayeke, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

UHezekeli 4

Isiprofetho ngokuvinjezelwa kweJerusalema

[1] Wena ndodana yomuntu, zithathele isitini, usibeke phambi kwakho, uqophe kuso umuzi, iJerusalema,

[2]uwuvimbezele, wakhe inqaba ngakuwo, uwunqwabele iduli, umise amakamu ngakuwo, ubeke ngakuwo nxazonke izinqama zokungqubuza.

[3]Zithathele ucwecwe lwensimbi, ulubeke lube ludonga lwensimbi phakathi kwakho nomuzi, uqondise ubuso bakho kuwo, wona uvinjezelwe, uvinjezelwe nguwe. Lokhu kuyakuba yisibonakaliso kuyo indlu yakwa-Israyeli.

[4] Futhi lala ngohlangothi lwakho lwasokhohlo, ubeke ukona kuka-Israyeli phezu kwalo; ngokomumo wezinsuku zokulala kwakho ngalo uyakuthwala ukona kwabo.

[5]Ngokuba ngikunqumele iminyaka yokona kwabo ukuba ibe ngumumo wezinsuku, zingamakhulu amathathu namashumi ayisishiyagalolunye, bese wuthwala ukona kwendlu yakwa-Israyeli.

[6] Quando tiveres cumprido estes dias, deitar-te-ás sobre o teu lado direito e levarás sobre ti a iniqüidade da casa de Judá.

[7] Quarenta dias te dei, cada dia por um ano. Voltarás, pois, o rosto para o cerco de Jerusalém, com o teu braço descoberto, e profetizarás contra ela.

[8] Eis que te prenderei com cordas; assim não te voltarás de um lado para o outro, até que cumpras os dias do teu cerco.

[9] Toma trigo e cevada, favas e lentilhas, mete-os numa vasilha e faze deles pão; segundo o número dos dias que te deitares sobre o teu lado, trezentos e noventa dias, comerás dele.

[10] A tua comida será por peso, vinte siclos por dia; de tempo em tempo, a comerás.

[11] Também beberás a água por medida, a sexta parte de um him; de tempo em tempo, a beberás.

[12] O que comeres será como bolos de cevada; cozê-lo-ás sobre esterco de homem, à vista do povo.

[13] Disse o SENHOR: Assim comerão os filhos de Israel o seu pão imundo, entre as nações para onde os lançarei.

[6] Nxa usuziqedile lezi, uyakulala ngohlangothi lwakho lokunene, uthwale ukona kwendlu yakwaJuda, ngikunqumele izinsuku ezingamashumi amane, yilolo nalolo suku lube ngumnyaka.

[7]Uyakubhekisa ubuso bakho kukho ukuvinjezelwa kweJerusalema, ingalo yakho yambuliwe, uprofethe ngalo.

[8]Bheka, ngifaka amagoda phezu kwakho, awuyikuphenduka uhlangothi ngohlangothi, uze uqede izinsuku zokuvimbezela kwakho.

[9] Futhi zithathele ukolweni, nebhali, nobhontshisi, nembumba, nonyaluthi, nesipelite, ukubeke esitsheni sibe sinye, uzenzele isinkwa ngakho ngokomumo wezinsuku oyakulala ngazo ngohlangothi lwakho, izinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisishiyagalolunye, usidle.

[10]Ukudla kwakho oyakukudla kuyakuba ngesilinganiso, amashekeli angamashumi amabili ngosuku, ukudle izikhathi ngezikhathi.

[11]Namanzi uyakuwaphuza ngesilinganiso, inxenye yesithupha yehini, uphuze izikhathi ngezikhathi.

[12]Uyakukudla kungathi amaqebelengwane ebhali, uwenze phambi kwabo ngendle ephuma kumuntu.

[13]Wathi uJehova: Kanjalo nabantwana bakwa-Israyeli bayakusidla isinkwa sabo

[14] Então, disse eu: ah! SENHOR Deus! Eis que a minha alma não foi contaminada, pois, desde a minha mocidade até agora, nunca comi animal morto de si mesmo nem dilacerado por feras, nem carne abominável entrou na minha boca.

[15] Então, ele me disse: Dei-te esterco de vacas, em lugar de esterco humano; sobre ele prepararás o teu pão.

[16] Disse-me ainda: Filho do homem, eis que eu tirarei o sustento de pão em Jerusalém; comerão o pão por peso e, com ansiedade, beberão a água por medida e com espanto;

[17] porque lhes faltará o pão e a água, espantar-se-ão uns com os outros e se consumirão nas suas iniqüidades.

Ezequiel 5

[1] Tu, ó filho do homem, toma uma espada afiada; como navalha de barbeiro a tomarás e a farás passar pela tua cabeça e pela tua barba; tomarás uma balança de peso e repartirás os cabelos.

[2] Uma terça parte queimarás, no meio da cidade, quando se cumprirem os dias do cerco; tomarás outra terça parte e a ferirás com uma espada ao redor da cidade; e a outra terça parte espalharás ao vento; desembainharei a espada atrás deles.

singcolile phakathi kwezizwe engiyakubaxoshela kuzo.

[14] Ngase ngithi: O Nkosi Jehova, bheka, umphefumulo wami awuzange ungcoliswe, ngokuba kusukela ebusheni bami kuze kube manje angidlanga okuzifeleyo nokudweshuliweyo, nenyama enengekayo ayingenanga emlonyeni wami.

[15]Wathi kimi: Bheka, ngikunike umquba esikhundleni sendle yomuntu; uyakusenza isinkwa sakho phezu kwawo.

[16] Wathi futhi kimi: Ndodana yomuntu, bheka, ngiyakwaphula uzime lwesinkwa eJerusalema, badle isinkwa ngesilinganiso ngokwesaba, baphuze amanzi ngesilinganiso ngokumangala

[17]ukuba baswele isinkwa namanzi, bamangale omunye nomunye, babune ebubini babo.

UHezekeli 5

[1] Wena ndodana yomuntu, zithathele inkemba ebukhali, uzithathele yona njengempuco yomgundi, uyihambise ekhanda lakho nasesilevini sakho, uzithathele isilinganiso sokulinganisa, wahlukanise izinwele.

[2]Inxenye yesithathu uyakuyishisa ngomlilo phakathi komuzi, seziphelile izinsuku zokuvinjezelwa, uthathe enye inxenye yesithathu, ugalele ngenkemba nxazonke zayo, nenye inxenye yesithathu uyihlakaze emoyeni, ngihoshe inkemba emva kwazo.

[3] Desta terça parte tomarás uns poucos e os atarás nas abas da tua veste.

[4] Destes ainda tomarás alguns, e os lançarás no meio do fogo, e os queimarás; dali sairá um fogo contra toda a casa de Israel.

[3] Uyakuthatha khona eziyingcosana, uzibophele emiphethweni yengubo yakho.

[4]Futhi kuzona uyakuthatha, uziphonse phakathi komlilo, uzishise ngomlilo; kuyakuvela lapho umlilo, ungene endlini yonke yakwa-Israyeli.

As causas do cerco de Jerusalém

[5] Assim diz o SENHOR Deus: Esta é Jerusalém; pu-la no meio das nações e terras que estão ao redor dela.

[5] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lokhu kuyiJerusalema; ngilibekile phakathi kwezizwe, namazwe ayalihaqa.

[6] Ela, porém, se rebelou contra os meus juízos, praticando o mal mais do que as nações e transgredindo os meus estatutos mais do que as terras que estão ao redor dela; porque rejeitaram os meus juízos e não andaram nos meus estatutos.

[6] Uhlubukile izahlulelo zami ngokwenza okubi kunezizwe, nezimiso zami kunamazwe alihaqayo, ngokuba balahlile izahlulelo zami nezimiso zami, abahambanga ngazo.

[7] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Porque sois mais rebeldes do que as nações que estão ao vosso redor e não tendes andado nos meus estatutos, nem cumprido os meus juízos, nem procedido segundo os direitos das nações ao redor de vós,

[7] Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba nibanga umsindo kunezizwe ezinihaqayo, ningahambi ngezimiso zami, ningazigcinanga izahlulelo zami, ningenzanga ngemithetho yezizwe ezinihaqayo,

[8] por isso, assim diz o SENHOR Deus: Eis que eu, eu mesmo, estou contra ti; e executarei juízos no meio de ti, à vista das nações.

[8]ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, mina, yebo, mina ngimelene nawe; ngiyakwenza izahlulelo phakathi kwakho emehlweni ezizwe.

[9] Farei contigo o que nunca fiz e o que jamais farei, por causa de todas as tuas abominações.

[9] Ngiyakwenza kuwe lokho engingazange ngikwenze, nengingasayikukwenza okunjengakho ngenxa yazo zonke izinengiso zakho.

[10] Portanto, os pais devorarão a seus filhos no meio de ti, e os filhos devorarão a seus pais; executarei em ti juízos e tudo o que restar de ti espalharei a todos os ventos.

[10] Ngalokho oyise bayakudla abantwana babo phakathi kwakho, abantwana badle oyise, ngenze izahlulelo phakathi kwakho, ngihlakaze kuyo yonke imimoya yonke insali yakho.

[11] Portanto, tão certo como eu vivo, diz o SENHOR Deus, pois que profanaste o meu santuário com todas as tuas coisas detestáveis e com todas as tuas abominações, eu retirarei, sem piedade, os olhos de ti e não te pouparei.

[12] Uma terça parte de ti morrerá de peste e será consumida de fome no meio de ti; outra terça parte cairá à espada em redor de ti; e a outra terça parte espalharei a todos os ventos e desembainharei a espada atrás dela.

[13] Assim, se cumprirá a minha ira, e satisfarei neles o meu furor e me consolarei; saberão que eu, o SENHOR, falei no meu zelo, quando cumprir neles o meu furor.

[14] Pôr-te-ei em desolação e por objeto de opróbrio entre as nações que estão ao redor de ti, à vista de todos os que passarem.

[15] Assim, serás objeto de opróbrio e ludíbrio, de escarmento e espanto às nações que estão ao redor de ti, quando eu executar em ti juízos com ira e indignação, em furiosos castigos. Eu, o SENHOR, falei.

[16] Quando eu despedir as malignas flechas da fome contra eles, flechas destruidoras, que eu enviarei para vos destruir, então, aumentarei a fome sobre vós e vos tirarei o sustento de pão.

[11]Ngalokho, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ngokuba uyingcolisile indlu yami engcwele ngakho konke okuzondekayo kwakho nangazo zonke izinengiso zakho, ngalokho ngiyakukunciphisa impela, iso lami lingahawukeli, ngingabi nabubele.

[12] Inxenye yesithathu yakho iyakufa ngesifo, baphele nangendlala phakathi kwakho; inxenye yesithathu iyakuwa ngenkemba nxazonke zakho, nenxenye yesithathu iyakuhlakazwa kuyo yonke imimoya, ngihoshe inkemba emva kwabo.

[13] Isiyakuphela intukuthelo yami, nganelise ukufutheka kwami ngabo, ngiduduzeke; bayakwazi ukuthi mina Jehova ngikhulumile ngomhawu wami, lapho sengifezile ukufutheka kwami ngabo.

[14] Ngiyakukwenza ube yincithakalo nehlazo phakathi kwezizwe ezikuhaqayo emehlweni abo bonke abadlulayo.

[15]Kuyakuba yihlazo, nesaga, nesifundiso, nesimangaliso kuzo izizwe ezikuhaqayo, lapho ngenza izahlulelo phakathi kwakho ngentukuthelo nangokufutheka nangezijeziso ezifuthayo. Mina Jehova ngikhulumile.

[16] Lapho ngithumela kini imicibisholo emibi yendlala eyakuba ngukuchitheka kwabo, engiyakuyithuma ukunichitha, ngiyakukhulisa indlala phezu kwenu, ngaphule uzime lwenu lwesinkwa,

[17] Enviarei sobre vós a fome e bestas-feras que te desfilharão; a peste e o sangue passarão por ti, e trarei a espada sobre ti. Eu, o SENHOR, falei.

[17] ngithumele kini indlala nezilwane ezimbi, zikwaphuce abantwana, kudlule phezu kwakho isifo negazi, ngehlisele inkemba phezu kwakho. Mina Jehova ngikhulumile.

Ezequiel 6

Profecia contra a idolatria de Israel

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[2] Filho do homem, vira o rosto para os montes de Israel e profetiza contra eles, dizendo:

[3] Montes de Israel, ouvi a palavra do SENHOR Deus: Assim diz o SENHOR Deus aos montes, aos outeiros, aos ribeiros e aos vales: Eis que eu, eu mesmo, trarei a espada sobre vós e destruirei os vossos altos.

[4] Ficarão desolados os vossos altares, e quebrados, os vossos altares de incenso; arrojarei os vossos mortos à espada, diante dos vossos ídolos.

[5] Porei os cadáveres dos filhos de Israel diante dos seus ídolos e espalharei os vossos ossos ao redor dos vossos altares.

[6] Em todos os vossos lugares habitáveis, as cidades serão destruídas, e os altos ficarão desolados, para que os vossos altares sejam destruídos e arruinados, e os vossos ídolos, quebrados e extintos, e os vossos altares do incenso sejam eliminados, e desfeitas as vossas obras.

UHezekeli 6

Isiprofetho ngezintaba zakwa-Israyeli

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho ezintabeni zakwa-Israyeli, uprofethe ngazo, uthi:

[3] Nina zintaba zakwa-Israyeli, yizwani izwi leNkosi uJehova kuzo izintaba nakuwo amagquma, kuyo imifula yamanzi nakuzo izigodi, lithi: Bhekani, ngiyakwehlisela phezu kwenu inkemba, ngichithe izindawo zenu eziphakemeyo.

[4] Ama-altare enu ayakuba yincithakalo, kwaphulwe ama-altare enu empepho, ngilahle ababuleweyo benu phambi kwezithombe zenu.

[5]Ngiyakubeka izidumbu zabantwana bakwa-Israyeli phambi kwezithombe zabo, ngihlakaze amathambo enu nxazonke zama-altare enu.

[6]Kuzo zonke izindawo zokuhlala kwenu imizi iyakuchithwa, izindawo eziphakemeyo zibe yincithakalo ukuba kuchithwe ama-altare enu, achitheke, kwaphulwe izithombe zenu ziphele, ama-altare enu empepho abhidlizwe, imisebenzi yenu ihlangulwe.

[7] Os mortos à espada cairão no meio de vós, para que saibais que eu sou o SENHOR.
[8] Mas deixarei um resto, porquanto alguns de vós escapareis da espada entre as nações, quando fordes espalhados pelas terras.
[9] Então, se lembrarão de mim os que dentre vós escaparem entre as nações para onde foram levados em cativeiro; pois me quebrantei por causa do seu coração dissoluto, que se desviou de mim, e por causa dos seus olhos, que se prostituíram após os seus ídolos. Eles terão nojo de si mesmos, por causa dos males que fizeram em todas as suas abominações.

[10] Saberão que eu sou o SENHOR e não disse debalde que lhes faria este mal.

[11] Assim diz o SENHOR Deus: Bate as palmas, bate com o pé e dize: Ah! Por todas as terríveis abominações da casa de Israel! Pois cairão à espada, e de fome, e de peste.

[12] O que estiver longe morrerá de peste; o que estiver perto cairá à espada; e o que ficar de resto e cercado morrerá de fome. Assim, neles cumprirei o meu furor.
[13] Então, sabereis que eu sou o SENHOR, quando os seus mortos à espada jazerem no meio dos seus ídolos, em redor dos seus altares, em todo outeiro alto, em todos os cimos dos montes e debaixo de toda árvore frondosa, debaixo de todo carvalho

[7]Ababulawayo bayakuwa phakathi kwenu, nazi ukuthi mina nginguJehova.

[8] Kepha ngiyakushiya insali, nibe nabayakuphepha enkembeni phakathi kwezizwe, lapho nihlakazeka emazweni.

[9] Abaphephayo benu bayakungikhumbula phakathi kwezizwe abayakuthunjelwa kuzo, lapho ngaphula izinhliziyo zabo eziphingayo, ezichezukile kimi, namehlo abo alandela izithombe zabo ukuba baphinge nazo, banengwe emehlweni abo ngokubi abakwenzileyo ezinengisweni zabo zonke.

[10]Bayakwazi ukuthi nginguJehova; angishongo ngeze ukuthi ngiyakwenza lokhu okubi kubo.
[11] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Shaya ngesandla sakho, udubhuze ngonyawo lwakho, uthi: Maye, ngenxa yazo zonke izinengiso ezimbi zendlu yakwa-Israyeli! Ngokuba bayakuwa ngenkemba, nangendlala, nangesifo.
[12]Okude uyakufa ngesifo, oseduze uyakuwa ngenkemba, oseleyo evinjezelwe uyakufa ngendlala, ngifeze kanjalo ukufutheka kwami kubo.
[13] Niyakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ababuleweyo babo beyakuba phakathi kwezithombe zabo nxazonke zama-altare abo kuwo onke amagquma aphakemeyo, nakuzo zonke iziqongo zezintaba, naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza,

espesso, lugares onde ofereciam suave perfume a todos os seus ídolos.

naphansi kwawo onke ama-oki adumbileyo, izindawo lapho bebenikela khona ngephunga elimnandi kuzo zonke izithombe zabo.

[14] Estenderei a mão sobre eles e farei a terra tornar-se desolada, desolada desde o deserto até Ribla, em todas as suas habitações; e saberão que eu sou o SENHOR.

[14] Ngiyakuselulela kubo isandla sami, ngenze izwe libe yincithakalo nokuyize kunehlane laseDibila kuzo zonke izindawo zabo zokuhlala, bazi ukuthi nginguJehova.

Ezequiel 7

O fim vem! O fim vem!

[1] Veio ainda a palavra do SENHOR a mim, dizendo:

[2] Ó tu, filho do homem, assim diz o SENHOR Deus acerca da terra de Israel: Haverá fim! O fim vem sobre os quatro cantos da terra.

[3] Agora, vem o fim sobre ti; enviarei sobre ti a minha ira, e te julgarei segundo os teus caminhos, e farei cair sobre ti todas as tuas abominações.

[4] Os meus olhos não te pouparão, nem terei piedade, mas porei sobre ti os teus caminhos, e as tuas abominações estarão no meio de ti. Sabereis que eu sou o SENHOR.

[5] Assim diz o SENHOR Deus: Mal após mal, eis que vêm.

[6] Haverá fim, vem o fim, despertou-se contra ti;

[7] vem a tua sentença, ó habitante da terra. Vem o tempo; é chegado o dia da turbação, e não da alegria, sobre os montes.

UHezekeli 7

Ukuphela sekufikile

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Wena ndodana yomuntu, isho kanje iNkosi uJehova kulo izwe lakwa-Israyeli, ithi: Ukuphela! Ukuphela kufikile emagumbini omane ezwe.

[3]Ukuphela sekuphezu kwakho; ngiyakuthuma ukufutheka kwami, ngikwahlulele njengezindlela zakho, ngehlisele phezu kwakho zonke izinengiso zakho.

[4]Iso lami aliyikukuhawukela, ngingabi nabubele; ngiyakwehlisela izindlela zakho phezu kwakho, izinengiso zakho zibe phakathi kwakho; niyakwazi ukuthi nginguJehova.

[5] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ingozi! Ingozi inye nje! Bheka, iyeza.

[6]Ukuphela kuyeza; ukuphela kuyeza, kuyakwehlela; bheka, kuyeza!

[7]Sekufikile kuwe ohlala ezweni; isikhathi sesifikile, usuku lusondele, olokukhathazeka, kungesilo olokujabula ezintabeni.

[8] Agora, em breve, derramarei o meu furor sobre ti, cumprirei a minha ira contra ti, julgar-te-ei segundo os teus caminhos e porei sobre ti todas as tuas abominações.

[8]Manje sengiyakuthulula masinyane ukufutheka kwami phezu kwakho, ngifeze intukuthelo yami kuwe, ngikwahlulele njengezindlela zakho, ngehlisele phezu kwakho zonke izinengiso zakho.

[9] Os meus olhos não te pouparão, nem terei piedade; segundo os teus caminhos, assim te castigarei, e as tuas abominações estarão no meio de ti. Sabereis que eu, o SENHOR, é que firo.

[9]Iso lami aliyikuhawukela, ngingabi nabubele, ngehlisele phezu kwakho njengezindlela zakho, izinengiso zakho zibe phakathi kwakho, nazi ukuthi mina Jehova ngiyashaya.

[10] Eis o dia, eis que vem; brotou a tua sentença, já floresceu a vara, reverdeceu a soberba.

[10] Bhekani usuku! Bhekani luyeza, sekuphezu kwakho; induku iyaqhakaza; ukuzidla kuyahluma.

[11] Levantou-se a violência para servir de vara perversa; nada restará deles, nem da sua riqueza, nem dos seus rumores, nem da sua glória.

[11]Ubudlova buyavuka, bube yintonga yokubi, kungasali muntu kubo nasesixukwini sabo, kungasali lutho emfuyweni yabo nasebukhosini babo.

[12] Vem o tempo, é chegado o dia; o que compra não se alegre, e o que vende não se entristeça; porque a ira ardente está sobre toda a multidão deles.

[12]Isikhathi sesifikile, usuku lusondele; umthengi makangathokozi, nomthengisi makangalili, ngokuba ukufutheka kuphezu kwaso sonke isixuku sabo.

[13] Porque o que vende não tornará a possuir aquilo que vendeu, por mais que viva; porque a profecia contra a multidão não voltará atrás; ninguém fortalece a sua vida com a sua própria iniqüidade.

[13]Ngokuba umthengisi akayikubuyela kokuthengisiweyo, nakuba esekhona phakathi kwabaphilayo, ngokuba umbono wesixuku sonke awuyikubuya, futhi akuyikubakho muntu ongabambelela ekuphileni ngenxa yobubi bakhe.

[14] Tocaram a trombeta e prepararam tudo, mas não há quem vá à peleja, porque toda a minha ira ardente está sobre toda a multidão deles.

[14]Babethile icilongo, balungisile konke, kepha akakho ophuma impi, ngokuba ukufutheka kwami kuphezu kwaso sonke isixuku sabo.

[15] Fora está a espada; dentro, a peste e a fome; o que está no campo morre à espada, e o que está na cidade, a fome e a peste o consomem.

[15] Yinkemba ngaphandle, yisifo nendlala ngaphakathi; osensimini uyakufa ngenkemba, osemzini uyakuqedwa yindlala nesifo.

[16] Se alguns deles, fugindo, escaparem, estarão pelos montes, como pombas dos vales, todos gemendo, cada um por causa da sua iniqüidade.

[17] Todas as mãos se tornarão débeis, e todos os joelhos, em água.

[18] Cingir-se-ão de pano de saco, e o horror os cobrirá; em todo rosto haverá vergonha, e calva, em toda a cabeça.

[19] A sua prata lançarão pelas ruas, e o seu ouro lhes será como sujeira; nem a sua prata, nem o seu ouro os poderá livrar no dia da indignação do SENHOR; eles não saciarão a sua fome, nem lhes encherão o estômago, porque isto lhes foi o tropeço para cair em iniqüidade.

[20] De tais preciosas jóias fizeram seu objeto de soberba e fabricaram suas abomináveis imagens e seus ídolos detestáveis;

[21] portanto, eu fiz que isso lhes fosse por sujeira e o entregarei nas mãos dos estrangeiros, por presa, e aos perversos da terra, por despojo; eles o profanarão.

[22] Desviarei deles o rosto, e profanarão o meu recesso; nele, entrarão profanadores e o saquearão.

[23] Faze cadeia, porque a terra está cheia de crimes de sangue, e a cidade, cheia de violência.

[16]Abaphunyukileyo babo bayakuphunyuka, babe sezintabeni njengamajuba asezigodini, bakhale bonke, kube yilowo nalowo ngezono zakhe.

[17]Zonke izandla ziyakudangala, nawo onke amadolo abe buthakathaka njengamanzi.

[18] Bayakubhinca izindwangu zamasaka, uvalo lubasibekele, amahloni abe sebusweni bonke, nobumpandla kuwo onke amakhanda abo.

[19] Bayakuphonsa isiliva labo ezitaladini, igolide labo libe yinto engcolileyo, isiliva labo negolide labo kungabi namandla okubophula ngosuku lwentukuthelo kaJehova; abayikusuthisa imiphefumulo yabo, bangagcwalisi izibilini zabo, ngokuba kade kuyisikhubekiso sobubi babo.

[20] Ukukhazimula kwezimvunulo zakho bakubeka kwaba ngukuziqhenya, benza ngakho izithombe ezinengekayo nezizondekayo; ngalokho ngikwenzile kwaba yinto engcolileyo kubo.

[21]Ngiyakukunikela esandleni sabafokazi, kudliwe, nakwababi bomhlaba, kube yimpango, bakungcolise.

[22]Ngiyakufulathelisa ubuso bami kubo, balingcolise igugu lami, kungene kulo abaphangi, balingcolise.

[23] Yenza iketanga, ngokuba izwe ligcwele amacala egazi, nomuzi ugcwele ubudlova.

[24] Farei vir os piores de entre as nações, que possuirão as suas casas; farei cessar a arrogância dos valentes, e os seus lugares santos serão profanados.
[25] Vem a destruição; eles buscarão paz, mas não há nenhuma.

[26] Virá miséria sobre miséria, e se levantará rumor sobre rumor; buscarão visões de profetas; mas do sacerdote perecerá a lei, e dos anciãos, o conselho.

[27] O rei se lamentará, e o príncipe se vestirá de horror, e as mãos do povo da terra tremerão de medo; segundo o seu caminho, lhes farei e, com os seus próprios juízos, os julgarei; e saberão que eu sou o SENHOR.

Ezequiel 8

Visão das abominações em Jerusalém

[1] No sexto ano, no sexto mês, aos cinco dias do mês, estando eu sentado em minha casa, e os anciãos de Judá, assentados diante de mim, sucedeu que ali a mão do SENHOR Deus caiu sobre mim.

[2] Olhei, e eis uma figura como de fogo; desde os seus lombos e daí para baixo, era fogo e, dos seus lombos para cima, como o resplendor de metal brilhante.

[3] Estendeu ela dali uma semelhança de mão e me tomou pelos cachos da cabeça; o Espírito me levantou entre a terra e o céu e me levou a Jerusalém em visões de

[24]Ngiyakuletha izizwe ezimbi kakhulu, zidle izindlu zabo, ngiqede ukuzidla kwabanamandla, izindawo zabo ezingcwele zingcoliswe.
[25]Ukunqunywa kuyeza; bayakufuna ukuthula, kepha akuyikuba khona.
[26] Ingozi iyakwelanywa yingozi, umbiko ulandele umbiko; bayakufuna umbono womprofethi, kepha umthetho uyakuphela kumpristi nesiluleko kuwo amalunga.
[27]Inkosi iyakulila, isikhulu siyakwembatha incithakalo, nezandla zabantu bezwe ziyakuhlushwa; ngiyakwenza kubo njengezindlela zabo, ngibahlulele njengezimfanelo zabo, bazi ukuthi nginguJehova.

UHezekeli 8

Ukukhonzwa kwezithombe ethempelini

[1] Kwathi ngomnyaka wesithupha ngenyanga yesithupha ngolwesihlanu lwenyanga lapho ngihlezi endlini yami, amalunga akwaJuda ehlezi ngaphambi kwami, isandla seNkosi uJehova sawela lapho phezu kwami.
[2] Ngase ngibona, bheka, kwakunjengokubonakala komlilo; kusukela kokungathi ukhalo kuya phansi kwakungumlilo, kusukela okhalweni kuya phezulu kwakunjengokukhazimula nanjengethusi elimenyezelayo.
[3] Wayeselula kungathi isandla, wangibamba ngesihluthu sekhanda lami; uMoya wangiphakamisa phakathi komhlaba nezulu, wangiyisa ngemibono

Deus, até à entrada da porta do pátio de dentro, que olha para o norte, onde estava colocada a imagem dos ciúmes, que provoca o ciúme de Deus.

kaNkulunkulu eJerusalema esivalweni sesango legceke elingaphakathi elibheke ngasenyakatho, lapho kwakukhona isihlalo sesithombe somhawu, esibanga umhawu.

[4] Eis que a glória do Deus de Israel estava ali, como a glória que eu vira no vale.

[4] Bheka, inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayilapho njengokuyibona kwami esigodini.

[5] Ele me disse: Filho do homem, levanta agora os olhos para o norte. Levantei os olhos para lá, e eis que do lado norte, à porta do altar, estava esta imagem dos ciúmes, à entrada.

[5] Wathi kimi: Ndodana yomuntu, ake uphakamise amehlo akho ngendlela yasenyakatho. Ngase ngiwaphakamisa amehlo ami ngendlela yasenyakatho; bheka, ngasenyakatho kwesango lase-altare lesi sithombe somhawu sasisentubeni.

[6] Disse-me ainda: Filho do homem, vês o que eles estão fazendo? As grandes abominações que a casa de Israel faz aqui, para que me afaste do meu santuário? Pois verás ainda maiores abominações.

[6] Wathi kimi: Ndodana yomuntu, uyabona yini abakwenzayo, izinengiso ezinkulu indlu yakwa-Israyeli ezenzayo lapha ukuba ngidede kude nendlu yami engcwele na? Kepha uyakubuye ubone ezinye izinengiso ezinkulu.

[7] Ele me levou à porta do átrio; olhei, e eis que havia um buraco na parede. Então, me disse: Filho do homem, cava naquela parede.

[7]Wayesengiyisa esangweni legceke. Ngabona, bheka, nanso imbobo ogangeni.

[8] Cavei na parede, e eis que havia uma porta.

[8]Wathi kimi: Ndodana yomuntu, gebhula ogangeni. Nanxa sengigebhulile ogangeni, bheka, nanko umnyango.

[9] Disse-me: Entra e vê as terríveis abominações que eles fazem aqui.

[9]Wayesethi kimi: Ngena ubone izinengiso ezimbi abazenzayo lapha.

[10] Entrei e vi; eis toda forma de répteis e de animais abomináveis e de todos os ídolos da casa de Israel, pintados na parede em todo o redor.

[10]Ngangena, ngabona; bheka, zonke izimo zezilwanyana ezinwabuzelayo, nezilwane ezinengekayo, nazo zonke izithombe zendlu ka-Israyeli kudwetshiwe odongeni nxazonke.

[11] Setenta homens dos anciãos da casa de Israel, com Jazanias, filho de Safã, que se achava no meio deles, estavam em pé diante das pinturas, tendo cada um na mão o seu incensário; e subia o aroma da nuvem de incenso.

[12] Então, me disse: Viste, filho do homem, o que os anciãos da casa de Israel fazem nas trevas, cada um nas suas câmaras pintadas de imagens? Pois dizem: O SENHOR não nos vê, o SENHOR abandonou a terra.

[13] Disse-me ainda: Tornarás a ver maiores abominações que eles estão fazendo.

[14] Levou-me à entrada da porta da Casa do SENHOR, que está no lado norte, e eis que estavam ali mulheres assentadas chorando a Tamuz.

[15] Disse-me: Vês isto, filho do homem? Verás ainda abominações maiores do que estas.

[16] Levou-me para o átrio de dentro da Casa do SENHOR, e eis que estavam à entrada do templo do SENHOR, entre o pórtico e o altar, cerca de vinte e cinco homens, de costas para o templo do SENHOR e com o rosto para o oriente; adoravam o sol, virados para o oriente.

[17] Então, me disse: Vês, filho do homem? Acaso, é coisa de pouca monta para a casa de Judá o fazerem eles as abominações que fazem aqui, para que ainda encham de

[11] Kwakumi phambi kwabo abantu abangamashumi ayisikhombisa bamalunga endlu yakwa-Israyeli, naphakathi kwabo uJahazaniya indodana kaShafani, kwaba yilowo nalowo enomcengezi wakhe womlilo esandleni sakhe, nephunga lefu lempepho lenyuka.

[12] Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, uyabona yini akwenzayo amalunga endlu yakwa-Israyeli ebumnyameni, kube yilelo nalelo ekamelweni lalo lezithombe, na? Ngokuba athi: UJehova akasiboni, uJehova ulishiyile izwe.

[13]Futhi wathi kimi: Uyakubuye ubone ezinye izinengiso ezinkulu abazenzayo.

[14]Wayesengiyisa esivalweni sesango lendlu kaJehova elingasenyakatho; bheka, nampo abesifazane behlezi belilela uTamuzi.

[15]Wathi kimi: Uyakubona lokho wena ndodana yomuntu na? Uyakubuye ubone izinengiso ezinkulu kunalezi.

[16] Wayesengingenisa egcekeni elingaphakathi lendlu kaJehova; bheka, ngasemnyango wethempeli likaJehova phakathi kompheme ne-altare kwakukhona kungathi amadoda angamashumi amabili nanhlanu efulathele ithempeli likaJehova, ubuso bawo bubhekene nempumalanga, ekhonza ilanga ngasempumalanga.

[17]Wathi kimi: Uyakubona lokhu wena ndodana yomuntu na? Kuyinto elula kuyo indlu yakwaJuda ukwenza izinengiso abazenzayo lapho na? Ngokuba

violência a terra e tornem a irritar-me? Ei-los a chegar o ramo ao seu nariz.

sebeligcwalisile izwe ngobudlova, babuye bangicunula. Bhekani, babeka amagatsha emakhaleni abo.

18 Pelo que também eu os tratarei com furor; os meus olhos não pouparão, nem terei piedade. Ainda que me gritem aos ouvidos em alta voz, nem assim os ouvirei.

18 Ngalokho ngiyakusebenza ngokufutheka; iso lami aliyikubahawukela, ngingabi nabubele; noma bememeza ezindlebeni zami ngezwi elikhulu, angiyikubezwa.

Ezequiel 9

Os castigos de Jerusalém

1 Então, ouvi que gritava em alta voz, dizendo: Chegai-vos, vós executores da cidade, cada um com a sua arma destruidora na mão.

2 Eis que vinham seis homens a caminho da porta superior, que olha para o norte, cada um com a sua arma esmagadora na mão, e entre eles, certo homem vestido de linho, com um estojo de escrevedor à cintura; entraram e se puseram junto ao altar de bronze.

3 A glória do Deus de Israel se levantou do querubim sobre o qual estava, indo até à entrada da casa; e o SENHOR clamou ao homem vestido de linho, que tinha o estojo de escrevedor à cintura,

4 e lhe disse: Passa pelo meio da cidade, pelo meio de Jerusalém, e marca com um sinal a testa dos homens que suspiram e gemem por causa de todas as abominações que se cometem no meio dela.

5 Aos outros disse, ouvindo eu: Passai pela cidade após ele; e, sem que os vossos olhos

UHezekeli 9

Ukwahlulela kukaNkulunkulu

1Wayesememeza ezindlebeni zami ngezwi elikhulu, ethi: Mazisondele izijeziso zomuzi, kube yilowo nalowo abe nezikhali zokubulala esandleni sakhe.

2 Bheka, kwafika amadoda ayisithupha evela endleleni yasesangweni lasenhla, elingasenyakatho, yileyo naleyo inesikhali sokubulala esandleni sayo, enye phakathi kwawo yembethe ilineni, inophondo lukayinki womlobi ngasokhalweni lwayo. Angena, ema ngaseceleni le-altare lethusi.

3 Inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayenyukile ekherubini eyayiphezu kwalo, yaya embundwini wendlu, wayibiza indoda eyembethe ilineni, eyayinophondo lukayinki womlobi ngasokhalweni lwayo.

4UJehova wathi kuyo: Dabula emzini, phakathi kweJerusalema, ubeke uphawu emabunzini abantu ababubula bekhala ngazo zonke izinengiso ezenziwa phakathi kwalo.

5Kwamanye washo ezindlebeni zami, wathi: Dabulani emzini emva kwayo,

poupem e sem que vos compadeçais, matai;

[6] matai a velhos, a moços e a virgens, a crianças e a mulheres, até exterminá-los; mas a todo homem que tiver o sinal não vos chegueis; começai pelo meu santuário.

[7] Então, começaram pelos anciãos que estavam diante da casa. E ele lhes disse: Contaminai a casa, enchei de mortos os átrios e saí. Saíram e mataram na cidade.

[8] Havendo-os eles matado, e ficando eu de resto, caí com o rosto em terra, clamei e disse: ah! SENHOR Deus! Dar-se-á o caso que destruas todo o restante de Israel, derramando o teu furor sobre Jerusalém?

[9] Então, me respondeu: A iniqüidade da casa de Israel e de Judá é excessivamente grande, a terra se encheu de sangue, e a cidade, de injustiça; e eles ainda dizem: O SENHOR abandonou a terra, o SENHOR não nos vê.

[10] Também quanto a mim, os meus olhos não pouparão, nem me compadecerei; porém sobre a cabeça deles farei recair as suas obras.

[11] Eis que o homem que estava vestido de linho, a cuja cintura estava o estojo de escrevedor, relatou, dizendo: Fiz como me mandaste.

Ezequiel 10

A visão das brasas de fogo

[1] Olhei, e eis que, no firmamento que estava por cima da cabeça dos querubins,

nibulale, iso lenu lingahawukeli, ningabi nabubele,

[6] nibulale nichithe amaxhegu, nezinsizwa, nezintombi, nezingane, nabesifazane, ningasondeli kodwa kumuntu okukuye uphawu, niqale endlini yami engcwele. Ayeseqala ngamadoda amadala ayephambi kwendlu.

[7]Wathi kuwo: Ngcolisani indlu, nigcwalise amagceke ngababuleweyo. Phumani! Aphuma, abulala emzini.

[8]Kwathi esabulala, kwasala mina; ngawa ngobuso, ngakhala ngathi: Maye, Nkosi Jehova! Uyakubulala yonke insali yakwa-Israyeli ekutheleni kwakho ukufutheka kwakho phezu kweJerusalema na?

[9] Wathi kimi: Ububi bendlu yakwa-Israyeli neyakwaJuda bukhulu kakhulu impela, nezwe ligcwele igazi, nomuzi ugcwele ukuhlanekezela, ngokuba bathi: UJehova ulishiyile izwe, uJehova akakuboni.

[10] Nami-ke, iso lami aliyikubahawukela, ngingabi nabubele, kepha ngiyakwehlisela indlela yabo phezu kwekhanda labo.

[11]Bheka, indoda eyembethe ilineni, inophondo lukayinki ngasokhalweni lwayo, yabuyisa izwi, yathi: Ngenzile njengokungiyala kwakho.

UHezekeli 10

[1] Ngase ngibona, bheka, emkhathini owawuphezu kwamakhanda amakherubi

apareceu sobre eles uma como pedra de safira semelhando a forma de um trono.

2 E falou ao homem vestido de linho, dizendo: Vai por entre as rodas, até debaixo dos querubins, e enche as mãos de brasas acesas dentre os querubins, e espalha-as sobre a cidade. Ele entrou à minha vista.

3 Os querubins estavam ao lado direito da casa, quando entrou o homem; e a nuvem encheu o átrio interior.

4 Então, se levantou a glória do SENHOR de sobre o querubim, indo para a entrada da casa; a casa encheu-se da nuvem, e o átrio, da resplandecência da glória do SENHOR.

5 O tatalar das asas dos querubins se ouviu até ao átrio exterior, como a voz do Deus Todo-Poderoso, quando fala.

6 Tendo o SENHOR dado ordem ao homem vestido de linho, dizendo: Toma fogo dentre as rodas, dentre os querubins, ele entrou e se pôs junto às rodas.

7 Então, estendeu um querubim a mão de entre os querubins para o fogo que estava entre os querubins; tomou dele e o pôs nas mãos do homem que estava vestido de linho, o qual o tomou e saiu.

8 Tinham os querubins uma semelhança de mão de homem debaixo das suas asas.

A visão das quatro rodas

kwabonakala okunjengetshe lesafire, kufana kungathi nesihlalo sobukhosi.

2 Wakhuluma kuyo indoda eyembethe ilineni, wathi: Ngena phakathi kwamasondo ayingilizayo phansi kwekherubi, ugcwalise izandla zakho zombili ngamalahle omlilo ophakathi kwamakherubi, uwahlakaze phezu komuzi. Yangena phambi kwamehlo ami.

3 Amakherubi ayemi ngakwesokunene kwendlu ekungeneni kwendoda, ifu lagcwalisa igceke elingaphakathi.

4 Inkazimulo kaJehova yenyuka ekherubini, yaya embundwini wendlu; indlu yagcwala ifu, igceke lagcwala ukumenyezela kwenkazimulo kaJehova.

5 Umsindo wamaphiko amakherubi wezwakala kwaze kwaba segcekeni elingaphandle njengezwi likaNkulunkulu uSomandla, lapho ekhuluma.

6 Kwathi lapho eyala indoda eyembethe ilineni, ethi: Thatha umlilo phakathi kwamasondo ayingilizayo phakathi kwamakherubi, yangena, eceleni kwesondo.

7 Ikherubi lelulela isandla salo liphakathi kwamakherubi kuwo umlilo owawuphakathi kwamakherubi, lawuthatha, lawubeka ezandleni zakhe owembethe ilineni; wawuthatha, waphuma.

8 Kwabonakala kuwo amakherubi isimo sesandla somuntu phansi kwamaphiko awo.

[9] Olhei, e eis quatro rodas junto aos querubins, uma roda junto a cada querubim; o aspecto das rodas era brilhante como pedra de berilo.

[10] Quanto ao seu aspecto, tinham as quatro a mesma aparência; eram como se estivesse uma roda dentro da outra.

[11] Andando elas, podiam ir em quatro direções e não se viravam quando iam; para onde ia a primeira, seguiam as outras e não se viravam quando iam.

[12] Todo o corpo dos querubins, suas costas, as mãos, as asas e também as rodas que os quatro tinham estavam cheias de olhos ao redor.

[13] Quanto às rodas, foram elas chamadas girantes, ouvindo-o eu.

[14] Cada um dos seres viventes tinha quatro rostos: o rosto do primeiro era rosto de querubim, o do segundo, rosto de homem, o do terceiro, rosto de leão, e o do quarto, rosto de águia.

[15] Os querubins se elevaram. São estes os mesmos seres viventes que vi junto ao rio Quebar.

[16] Andando os querubins, andavam as rodas juntamente com eles; e, levantando os querubins as suas asas, para se elevarem de sobre a terra, as rodas não se separavam deles.

[9] Ngabona, bheka, nanko amasondo amane eceleni kwamakherubi, elinye isondo eceleni kwelinye ikherubi nelinye isondo eceleni kwelinye ikherubi; ukubonakala kwamasondo kwakunjengetshe lekrisolithe.

[10]Kungathi omane ayenesimo sinye, njengalokho kwakukhona isondo phakathi kwesondo.

[11]Ekuhambeni kwawo aya ezinhlangothini zozine, awaphendukanga ekuhambeni kwawo, kepha lapho ikhanda lalibhekisa khona alilandela; awaphendukanga ekuhambeni kwawo.

[12]Wonke umzimba wawo, nemihlane yawo, nezandla zawo, namaphiko awo, namasondo kwakugcwele amehlo nxazonke; yebo, amasondo lawa omane ayenawo.

[13]Amasondo ayebizwa ezindlebeni zami ngokuthi ayingilizayo.

[14] Yilelo nalelo lalinobuso obune; ubuso bokuqala babungubuso bekherubi, ubuso besibili babungubuso bomuntu, obesithathu babungubuso bengonyama, nobesine babungubuso bokhozi.

[15] Amakherubi aziphakamisa; yilezi zidalwa engazibona ngasemfuleni iKhebari.

[16] Ekuhambeni kwamakherubi amasondo ahamba eceleni kwawo, nalapho amakherubi ephakamisa amaphiko awo ukwenyuka emhlabathini, amasondo awaphendukanga eceleni kwawo.

[17] Parando eles, paravam elas; e, elevando-se eles, elevavam-se elas, porque o espírito dos seres viventes estava nelas.

A glória de Deus abandona o templo

[18] Então, saiu a glória do SENHOR da entrada da casa e parou sobre os querubins.

[19] Os querubins levantaram as suas asas e se elevaram da terra à minha vista, quando saíram acompanhados pelas rodas; pararam à entrada da porta oriental da Casa do SENHOR, e a glória do Deus de Israel estava no alto, sobre eles.

[20] São estes os seres viventes que vi debaixo do Deus de Israel, junto ao rio Quebar, e fiquei sabendo que eram querubins.

[21] Cada um tinha quatro rostos e quatro asas e a semelhança de mãos de homem debaixo das asas.

[22] A aparência dos seus rostos era como a dos rostos que eu vira junto ao rio Quebar; tinham o mesmo aspecto, eram os mesmos seres. Cada qual andava para a sua frente.

Ezequiel 11

O juízo de Deus contra os chefes do povo

[1] Então, o Espírito me levantou e me levou à porta oriental da Casa do SENHOR, a qual olha para o oriente. À entrada da porta, estavam vinte e cinco homens; no meio deles, vi a Jazanias, filho de Azur, e

[17]Ekumeni kwawo nalawa ema; ekwenyukeni kwawo enyuka nawo, ngokuba umoya wezidalwa wayekuwo.

[18]Inkazimulo kaJehova yaphuma phezu kombundu wendlu, yema phezu kwamakherubi.

[19]Amakherubi aphakamisa amaphiko awo, enyuka emhlabathini phambi kwamehlo ami ekuphumeni kwawo, amasondo eseceleni kwawo; ema ngasesivalweni sesango lasempumalanga lendlu kaJehova; inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayiphezu kwawo.

[20]Yilezi zidalwa engazibona phansi kukaNkulunkulu ngasemfuleni iKhebari, ngazi ukuthi zazingamakherubi.

[21]Yilelo nalelo lalinobuso obune, yilelo lalinamaphiko amane, nesimo sezandla zomuntu sasiphansi kwamaphiko awo.

[22] Isimo sobuso bawo, bona babungubuso engabubona ngasemfuleni iKhebari, ukubonakala kwabo, yebo, bona uqobo lwabo; yilelo nalelo lahamba ngokuqonda kobuso balo.

UHezekeli 11

Abeluleki ababi

[1] UMoya wangiphakamisa, wangiyisa esangweni lendlu kaJehova lasempumalanga, elibhekene nempumalanga; bheka, ngasesivalweni sesango kwakukhona amadoda angamashumi amabili nanhlanu; ngabona

a Pelatias, filho de Benaías, príncipes do povo.

[2] E disse-me: Filho do homem, são estes os homens que maquinam vilezas e aconselham perversamente nesta cidade,
[3] os quais dizem: Não está próximo o tempo de construir casas; esta cidade é a panela, e nós, a carne.
[4] Portanto, profetiza contra eles, profetiza, ó filho do homem.
[5] Caiu, pois, sobre mim o Espírito do SENHOR e disse-me: Fala: Assim diz o SENHOR: Assim tendes dito, ó casa de Israel; porque, quanto às coisas que vos surgem à mente, eu as conheço.

[6] Multiplicastes os vossos mortos nesta cidade e deles enchestes as suas ruas.

[7] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Os que vós matastes e largastes no meio dela são a carne, e ela, a panela; a vós outros, porém, vos tirarei do meio dela.

[8] Temestes a espada, mas a espada trarei sobre vós, diz o SENHOR Deus.
[9] Tirar-vos-ei do meio dela, e vos entregarei nas mãos de estrangeiros, e executarei juízos entre vós.
[10] Caireis à espada; nos confins de Israel, vos julgarei, e sabereis que eu sou o SENHOR.
[11] Esta cidade não vos servirá de panela, nem vós servireis de carne no seu meio; nos confins de Israel, vos julgarei,

phakathi kwawo uJahazaniya indodana ka-Azuri noPhelathiya indodana kaBenaya, izikhulu zabantu.
[2]Wathi kimi: Ndodana yomuntu, yilawa madoda aceba okubi, anika iziluleko ezimbi kulo muzi,
[3] athi: Akuseduze yini ukuba kwakhiwe izindlu? Lo muzi uyikhanzi, thina siyinyama.
[4]Ngalokho profetha ngabo, uprofethe, ndodana yomuntu.
[5]UMoya kaJehova wehlela phezu kwami, wathi kimi: Yisho uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Nisho njalo nina ndlu ka-Israyeli; ngiyazi mina okungena emoyeni wenu.
[6] Nandisile ababuleweyo benu kulo muzi, nigcwalisile izitaladi zawo ngababuleweyo.
[7] Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ababuleweyo benu enibabekile phakathi kwawo bayinyama, nawo uqobo uyikhanzi, kepha nina ngiyakunikhipha phakathi kwawo.
[8]Niyesabile inkemba; ngiyakunehlisela inkemba, isho iNkosi uJehova.
[9]Ngiyakunikhipha phakathi kwawo, ngininikele esandleni sabafokazi, ngahlulele phakathi kwenu.
[10]Niyakuwa ngenkemba, nginahlulele emkhawulweni wakwa-Israyeli; nazi ukuthi nginguJehova.

[11]Lo muzi awuyikuba yikhanzi, nani aniyikuba yinyama phakathi kwalo;

ngiyakunahlulela emkhawulweni wakwa-Israyeli,

12 e sabereis que eu sou o SENHOR. Pois não andastes nos meus estatutos, nem executastes os meus juízos; antes, fizestes segundo os juízos das nações que estão em redor de vós.

12nazi ukuthi ngingu Jehova, ngokuba anihambanga ngezimiso zami, nezahlulelo zami anizenzanga, kepha nenze njengezahlulelo zezizwe ezinihaqayo.

13 Ao tempo em que eu profetizava, morreu Pelatias, filho de Benaías. Então, caí com o rosto em terra, clamei em alta voz e disse: ah! SENHOR Deus! Darás fim ao resto de Israel?

Isiprofetho sokubuyiswa

13 Kwathi lapho ngiprofetha, uPhelathiya indodana kaBenaya wafa. Ngase ngiwa ngobuso, ngakhala ngezwi elikhulu, ngathi: O Nkosi Jehova, uyakwenza ukuba iphele insali yakwa-Israyeli na?

Promessa da restauração de Israel

14 Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

14Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

15 Filho do homem, teus irmãos, os teus próprios irmãos, os homens do teu parentesco e toda a casa de Israel, todos eles são aqueles a quem os habitantes de Jerusalém disseram: Apartai-vos para longe do SENHOR; esta terra se nos deu em possessão.

15 Ndodana yomuntu, abafowenu, yebo, abafowenu abayizihlobo zakho nayo yonke indlu yakwa-Israyeli, bonke abakhileyo eJerusalema abashilo kubo ukuthi: Dedani kuJehova; leli zwe linikiwe thina libe yifa.

16 Portanto, dize: Assim diz o SENHOR Deus: Ainda que os lancei para longe entre as nações e ainda que os espalhei pelas terras, todavia, lhes servirei de santuário, por um pouco de tempo, nas terras para onde foram.

16 Thana ngabo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Noma ngibadedisele kude phakathi kwezizwe, ngabahlakazela emazweni, ngaba yindlu engcwele nokho kubo isikhashana emazweni ababehlakazelwe kuwo.

17 Dize ainda: Assim diz o SENHOR Deus: Hei de ajuntá-los do meio dos povos, e os recolherei das terras para onde foram lançados, e lhes darei a terra de Israel.

17 Ngalokho thana: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakunibutha ezizweni, nginiqoqe emazweni enihlakazekelwe kuwo, ngininike izwe lakwa-Israyeli.

18 Voltarão para ali e tirarão dela todos os seus ídolos detestáveis e todas as suas abominações.

18 Bayakufika khona, basuse lapho konke okuzondekayo kwalo nazo zonke izinengiso zalo.

[19] Dar-lhes-ei um só coração, espírito novo porei dentro deles; tirarei da sua carne o coração de pedra e lhes darei coração de carne;

[20] para que andem nos meus estatutos, e guardem os meus juízos, e os executem; eles serão o meu povo, e eu serei o seu Deus.

[21] Mas, quanto àqueles cujo coração se compraz em seus ídolos detestáveis e abominações, eu farei recair sobre sua cabeça as suas obras, diz o SENHOR Deus.

[22] Então, os querubins elevaram as suas asas, e as rodas os acompanhavam; e a glória do Deus de Israel estava no alto, sobre eles.

[23] A glória do SENHOR subiu do meio da cidade e se pôs sobre o monte que está ao oriente da cidade.

[24] Depois, o Espírito de Deus me levantou e me levou na sua visão à Caldéia, para os do cativeiro; e de mim se foi a visão que eu tivera.

[25] Então, falei aos do cativeiro todas as coisas que o SENHOR me havia mostrado.

Ezequiel 12

O profeta descreve o cativeiro

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[2] Filho do homem, tu habitas no meio da casa rebelde, que tem olhos para ver e não vê, tem ouvidos para ouvir e não ouve, porque é casa rebelde.

[19] Ngiyakubanika inhliziyo ibe nye, ngibeke umoya omusha phakathi kwabo, ngikhiphe inhliziyo yetshe enyameni yabo, ngibanike inhliziyo yenyama

[20] ukuba bahambe ngezimiso zami, bagcine izahlulelo zami, bazenze, babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo.

[21] Kepha labo abanhliziyo zabo zilandela izinhliziyo zokuzondekayo kwabo nezinengiso zabo, ngiyakwehlisela phezu kwamakhanda abo indlela yabo, isho iNkosi uJehova.

[22]Amakherubi ayesephakamisa amaphiko awo namasondo ayeseceleni kwawo; inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayiphezu kwawo.

[23]Inkazimulo kaJehova yakhuphuka phakathi komuzi, yema entabeni engasempumalanga komuzi.

[24]UMoya wayesengiphakamisa, wangiyisa ngombono ngoMoya kaNkulunkulu eKalideya kubathunjwa. Wase wenyuka kimi umbono engiwubonileyo.

[25]Ngase ngikhuluma kubathunjwa zonke izinto uJehova angibonisile zona.

UHezekeli 12

Ukuthunjwa

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, wena uhlala phakathi kwendlu ehlubukayo nabanamehlo okubona bengaboni kodwa, abanezindlebe zokuzwa bengezwa nokho, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

[3] Tu, pois, ó filho do homem, prepara a bagagem de exílio e de dia sai, à vista deles, para o exílio; e, do lugar onde estás, parte para outro lugar, à vista deles. Bem pode ser que o entendam, ainda que eles são casa rebelde.

[3] Wena ndodana yomuntu, zenzele impahla yokuhamba, usuke emini emehlweni abo, umuke endaweni yakho emehlweni abo, uye kwenye; mhlawumbe bayakubona ukuthi bayindlu ehlubukayo.

[4] À vista deles, pois, traze para a rua, de dia, a tua bagagem de exílio; depois, à tarde, sairás, à vista deles, como quem vai para o exílio.

[4]Uyakukhipha impahla yakho emini emehlweni abo njengempahla yokuhamba, wena uphume kusihlwa emehlweni abo njengokuphuma ukuya ekuthunjweni.

[5] Abre um buraco na parede, à vista deles, e sai por ali.

[5]Gebhula ogangeni emehlweni abo, uyikhiphe impahla khona.

[6] À vista deles, aos ombros a levarás; às escuras, a transportarás; cobre o rosto para que não vejas a terra; porque por sinal te pus à casa de Israel.

[6] Uyakuyithwala ehlombe emehlweni abo, uyikhiphe sekumnyama, usibekele ubuso bakho, ukuze ungaboni izwe, ngokuba ngikubeke ukuba ube yisibonakaliso kuyo indlu yakwa-Israyeli.

[7] Como se me ordenou, assim eu fiz: de dia, levei para fora a minha bagagem de exílio; então, à tarde, com as mãos abri para mim um buraco na parede; às escuras, eu saí e, aos ombros, transportei a bagagem, à vista deles.

[7]Ngenza njengokungiyala kwakhe; ngayikhipha impahla yami emini njengempahla yokuhamba, kusihlwa ngagebhula ogangeni ngesandla, nanxa sekumnyama ngayikhipha, ngayithwala ehlombe emehlweni abo.

[8] Pela manhã, veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[8]Lase lifika izwi likaJehova ekuseni, lathi:

[9] Filho do homem, não te perguntou a casa de Israel, aquela casa rebelde: Que fazes tu?

[9] Ndodana yomuntu, ayishongo kuwe yini indlu yakwa-Israyeli, indlu ehlubukayo, yathi: Wenzani na?

[10] Dize-lhes: Assim diz o SENHOR Deus: Esta sentença refere-se ao príncipe em Jerusalém e a toda a casa de Israel, que está no meio dela.

[10] Thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lesi siprofetho ngesesikhulu saseJerusalema nesabo bonke abendlu yakwa-Israyeli abaphakathi kwalo.

[11] Dize: Eu sou o vosso sinal. Como eu fiz, assim se lhes fará a eles; irão para o exílio, para o cativeiro.

[11]Thana: Ngiyisibonakaliso senu; njengalokho ngenzile, kuyakwenziwa kanjalo kubo; bayakuya ekuthunjweni, baboshwe.

[12] O príncipe que está no meio deles levará aos ombros a bagagem e, às escuras, sairá; abrirá um buraco na parede para sair por ele; cobrirá o rosto para que seus olhos não vejam a terra.

[12] Isikhulu esiphakathi kwabo siyakuthwala ehlombe sekumnyama, siphume, bagebhule ogangeni ukuba bakhiphe khona, sisibekele usubo baso, ngokuba asiyikubona izwe ngamehlo aso.

[13] Também estenderei a minha rede sobre ele, e será apanhado nas minhas malhas; levá-lo-ei a Babilônia, à terra dos caldeus, mas não a verá, ainda que venha a morrer ali.

[13] Ngiyakuleneka inetha lami phezu kwaso, sibanjwe ogibeni lwami; ngiyakusiyisa eBabele ezweni lamaKaledi. Kepha asiyikulibona, noma sifela khona.

[14] A todos os ventos espalharei todos os que, para o ajudarem, estão ao redor dele, e todas as suas tropas; desembainharei a espada após eles.

[14] Bonke abasizungezayo ukusisiza namaviyo aso ngiyakubahlakazela kuyo yonke imimoya, ngihoshe inkemba emva kwabo.

[15] Saberão que eu sou o SENHOR, quando eu os dispersar entre as nações e os espalhar pelas terras.

[15] Bayakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ngibahlakazela ezizweni, ngibasabalalisele emazweni.

[16] Deles deixarei ficar alguns poucos, escapos da espada, da fome e da peste, para que publiquem todas as suas coisas abomináveis entre as nações para onde forem; e saberão que eu sou o SENHOR.

[16]Kepha ngiyakushiya kubo abantu abayingcosana besala enkembeni, nasendlaleni, nasesifweni, ukuba balande ngazo zonke izinengiso zabo phakathi kwezizwe lapho befika khona, bazi ukuthi nginguJehova.

[17] Então, veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[17]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[18] Filho do homem, o teu pão comerás com tremor e a tua água beberás com estremecimento e ansiedade;

[18] Ndodana yomuntu, yidla isinkwa sakho ngokuqhaqhazela, uphuze amanzi akho ngokuthuthumela nangokwesaba,

[19] e dirás ao povo da terra: Assim diz o SENHOR Deus acerca dos habitantes de Jerusalém, na terra de Israel: O seu pão

[19] uthi kubantu bezwe: Isho kanje iNkosi uJehova ngabakhileyo eJerusalema ezweni lakwa-Israyeli, ithi: Bayakudla

comerão com ansiedade e a sua água beberão com espanto, pois que a sua terra será despojada de tudo quanto contém, por causa da violência de todos os que nela habitam.

isinkwa sabo ngokwesaba, baphuze amanzi abo ngokumangala, ngokuba izwe lalo liyakuchithwa, laphucwe konke ukugcwala kwalo ngenxa yobudlova babo bonke abahlala kulo.

[20] As cidades habitadas cairão em ruínas, e a terra se tornará em desolação; e sabereis que eu sou o SENHOR.

[20]Imizi ehlalwayo iyakuchithwa, izwe libe yincithakalo, nazi ukuthi ngingu Jehova.

[21] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[21]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[22] Filho do homem, que provérbio é esse que vós tendes na terra de Israel: Prolongue-se o tempo, e não se cumpra a profecia?

[22] Ndodana yomuntu, siyini leso saga eninaso ezweni lakwa-Israyeli sokuthi: Izinsuku ziyajobeleleka, nayo yonke imibono iphuthile, na?

[23] Portanto, dize-lhes: Assim diz o SENHOR Deus: Farei cessar esse provérbio, e já não se servirão dele em Israel; mas dize-lhes: Os dias estão próximos e o cumprimento de toda profecia.

[23] Ngalokho thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakwenza ukuba siphele leso saga, bangabe besafanisa ngaso kwa-Israyeli, kepha khuluma kubo ngokuthi: Izinsuku sezisondele nokugcwaliseka kwemibono yonke.

[24] Porque já não haverá visão falsa nenhuma, nem adivinhação lisonjeira, no meio da casa de Israel.

[24]Ngokuba akusayikuba khona umbono oyize nokubhula okuthophayo endlini yakwa-Israyeli.

[25] Porque eu, o SENHOR, falarei, e a palavra que eu falar se cumprirá e não será retardada; porque, em vossos dias, ó casa rebelde, falarei a palavra e a cumprirei, diz o SENHOR Deus.

[25]Ngokuba mina Jehova ngiyakukhuluma izwi engiyakulikhuluma, lenzeke, lingabe lisalitshaziswa, ngokuba ezinsukwini zenu nina ndlu ehlubukayo ngiyakukhuluma izwi, ngilenze, isho iNkosi uJehova.

[26] Veio-me ainda a palavra do SENHOR, dizendo:

[26]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[27] Filho do homem, eis que os da casa de Israel dizem: A visão que tem este é para muitos dias, e ele profetiza de tempos que estão mui longe.

[27] Ndodana yomuntu, bheka, abendlu ka-Israyeli bathi: Umbono awubonayo ungowezinsuku ezizayo, uprofetha ngezikhathi ezisekude.

[28] Portanto, dize-lhes: Assim diz o SENHOR Deus: Não será retardada nenhuma das minhas palavras; e a palavra que falei se cumprirá, diz o SENHOR Deus.

Ezequiel 13

Profecia contra os falsos profetas

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[2] Filho do homem, profetiza contra os profetas de Israel que, profetizando, exprimem, como dizes, o que lhes vem do coração. Ouvi a palavra do SENHOR.

[3] Assim diz o SENHOR Deus: Ai dos profetas loucos, que seguem o seu próprio espírito sem nada ter visto!

[4] Os teus profetas, ó Israel, são como raposas entre as ruínas.

[5] Não subistes às brechas, nem fizestes muros para a casa de Israel, para que ela permaneça firme na peleja no Dia do SENHOR.

[6] Tiveram visões falsas e adivinhação mentirosa os que dizem: O SENHOR disse; quando o SENHOR os não enviou; e esperam o cumprimento da palavra.

[7] Não tivestes visões falsas e não falastes adivinhação mentirosa, quando dissestes: O SENHOR diz, sendo que eu tal não falei?

[8] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Como falais falsidade e tendes visões mentirosas, por isso, eu sou contra vós outros, diz o SENHOR Deus.

[28] Ngalokho thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Akusayikulitshaziswa zwi, kepha izwi engiyakulikhuluma liyakwenzeka, isho iNkosi uJehova.

UHezekeli 13

Abaprofethi bamanga

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, profetha ngabaprofethi bakwa-Israyeli abaprofethayo, uthi kwabaprofetha okwenhliziyo yabo: Zwanini izwi likaJehova.

[3] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wo kubaprofethi abayiziwula, abalandela umoya wabo nabangakubonanga!

[4]O Israyeli, abaprofethi bakho banjengezimpungushe ezindaweni ezichithekileyo.

[5] Anenyukelanga ezikhaleni, anibiyelanga nokubiyela indlu yakwa-Israyeli ukuba ime ekulweni ngosuku lukaJehova.

[6]Babonile okuyize nokubhula kwamanga abathi: Kusho uJehova, kepha uJehova kabathumanga, kodwa bethemba ukuthi ubeyakuqinisa izwi labo.

[7]Anibonanga umbono oyize, anikhulumanga ukubhula kwamanga, lapho nithi: Kusho uJehova, mina ngingakhulumanga, na?

[8] Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba nikhulumile okuyize, nibonile amanga, ngalokho bhekani, ngimelene nani, isho iNkosi uJehova.

[9] Minha mão será contra os profetas que têm visões falsas e que adivinham mentiras; não estarão no conselho do meu povo, não serão inscritos nos registros da casa de Israel, nem entrarão na terra de Israel. Sabereis que eu sou o SENHOR Deus.

[10] Visto que andam enganando, sim, enganando o meu povo, dizendo: Paz, quando não há paz, e quando se edifica uma parede, e os profetas a caiam,

[11] dize aos que a caiam que ela ruirá. Haverá chuva de inundar. Vós, ó pedras de saraivada, caireis, e tu, vento tempestuoso, irromperás.

[12] Ora, eis que, caindo a parede, não vos dirão: Onde está a cal com que a caiastes?

[13] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Tempestuoso vento farei irromper no meu furor, e chuva de inundar haverá na minha ira, e pedras de saraivada, na minha indignação, para a consumir.

[14] Derribarei a parede que caiastes, darei com ela por terra, e o seu fundamento se descobrirá; quando cair, perecereis no meio dela e sabereis que eu sou o SENHOR.

[15] Assim, cumprirei o meu furor contra a parede e contra os que a caiaram e vos

[9] Isandla sami siyakumelana nabaprofethi ababona okuyize nababhula amanga; abayikuba semkhandlwini wabantu bami, bangalotshwa encwadini yendlu yakwa-Israyeli, bangangeni ezweni lakwa-Israyeli, nazi ukuthi ngiyiNkosi uJehova.

[10] Ngokuba, yebo, ngokuba bedukisile abantu bami ngokuthi: Ngukuthula, kungekho ukuthula, nangokuba lapho kwakhiwa ugange, bheka, balunameka ngodaka olungavuthiwe,

[11]yisho kwabanamekayo ukuthi luyakuwa; kuyakuwa imvula ekhukhulayo; nina matshe esichotho niyakuwa, nomoya wesivunguvungu uyakuludabula.

[12]Bheka, lapho ugange seluwile, akuyikushiwo kini ukuthi: Luphi udaka enanameka ngalo na?

[13] Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakuludabula ngomoya wesivunguvungu ngokufutheka kwami, kube yimvula ekhukhulayo ngentukuthelo yami, namatshe esichotho ngokufutheka ukuba aluqede.

[14]Ngiyakulubhidliza ugange enalunameka ngodaka olungavuthiwe, ngiludilizele phansi, lunamathele emhlabathini, kwambulwe isisekelo salo; yebo, luyakuwa, nina niphele phakathi kwalo, nazi ukuthi nginguJehova.

[15]Ngiyakufeza ukufutheka kwami ogangeni nakubo abalunameka ngodaka

direi: a parede já não existe, nem aqueles que a caiaram,

[16] os profetas de Israel que profetizaram a respeito de Jerusalém e para ela têm visões de paz, quando não há paz, diz o SENHOR Deus.

Contra as falsas profetisas

[17] Tu, ó filho do homem, põe-te contra as filhas do teu povo que profetizam de seu coração, profetiza contra elas

[18] e dize: Assim diz o SENHOR Deus: Ai das que cosem invólucros feiticeiros para todas as articulações das mãos e fazem véus para cabeças de todo tamanho, para caçarem almas! Querereis matar as almas do meu povo e preservar outras para vós mesmas?

[19] Vós me profanastes entre o meu povo, por punhados de cevada e por pedaços de pão, para matardes as almas que não haviam de morrer e para preservardes com vida as almas que não haviam de viver, mentindo, assim, ao meu povo, que escuta mentiras.

[20] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Eis aí vou eu contra vossos invólucros feiticeiros, com que vós caçais as almas como aves, e as arrancarei de vossas mãos; soltarei livres como aves as almas que prendestes.

[21] Também rasgarei os vossos véus e livrarei o meu povo das vossas mãos, e nunca mais estará ao vosso alcance para

olungavuthiwe, ngithi kini: Alusekho ugange, abasekho abalunamekayo,

[16]abaprofethi bakwa-Israyeli abaprofetha ngeJerusalema, ababona imibono yokuthula ngalo, ukuthula kungekho, isho iNkosi uJehova.

[17] Wena ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho kuwo amadodakazi abantu bakho aprofetha okwenhliziyo yawo, uprofethe ngawo,

[18]uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wo kwabesifazane abathungela zonke izindololwane izicamelo, benze imigubuzelo yamakhanda ezimo zonke ukuba bazingele imiphefumulo. Niyakuzingela yini imiphefumulo yabantu bami, nisindise imiphefumulo yenu,

[19] nina eningingcolisa phakathi kwabantu bami ngezinkweshe zebhali nangezingcezu zesinkwa ngokubulala imiphefumulo ebingayikufa nokusindisa imiphefumulo ebingayikuphila ngokuqamba kwenu amanga kubantu bami abalalela amanga, na?

[20] Qha! Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nezicamelo zenu enizingela ngazo lapha imiphefumulo njengezinyoni; ngiyakuzihlwitha ezingalweni zenu, ngivumele imiphefumulo ukuba ihambe, le miphefumulo eniyizingelayo njengezinyoni.

[21]Ngiyakuklebhula nemigubuzelo yenu, ngibophule abantu bami esandleni senu, bangabe besababikho esandleni senu

ser caçado; e sabereis que eu sou o SENHOR.

[22] Visto que com falsidade entristecestes o coração do justo, não o havendo eu entristecido, e fortalecestes as mãos do perverso para que não se desviasse do seu mau caminho e vivesse,

[23] por isso, já não tereis visões falsas, nem jamais fareis adivinhações; livrarei o meu povo das vossas mãos, e sabereis que eu sou o SENHOR.

ukuba bazingelwe, nazi ukuthi nginguJehova.

[22]Ngokuba nidabukisile inhliziyo yolungileyo ngamanga, engingamdabukisanga mina, naqinisa izandla zababi ukuba bangabuyi endleleni yabo embi, basindiswe,

[23]ngalokho anisayikubona okuyize, ningabe nisabhula ukubhula; ngiyakubophula abantu bami esandleni senu, nazi ukuthi nginguJehova.

Ezequiel 14

O castigo dos idólatras

[1] Então, vieram ter comigo alguns dos anciãos de Israel e se assentaram diante de mim.

[2] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[3] Filho do homem, estes homens levantaram os seus ídolos dentro do seu coração, tropeço para a iniqüidade que sempre têm eles diante de si; acaso, permitirei que eles me interroguem?

[4] Portanto, fala com eles e dize-lhes: Assim diz o SENHOR Deus: Qualquer homem da casa de Israel que levantar os seus ídolos dentro do seu coração, e tem tal tropeço para a sua iniqüidade, e vier ao profeta, eu, o SENHOR, vindo ele, lhe responderei segundo a multidão dos seus ídolos;

[5] para que eu possa apanhar a casa de Israel no seu próprio coração, porquanto todos se apartaram de mim para seguirem os seus ídolos.

UHezekeli 14

Isijeziso sabakhonza izithombe

[1] Kwafika kimi amadoda amalunga akwa-Israyeli, ahlala phambi kwami.

[2]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[3] Ndodana yomuntu, lawa madoda angenisile izithombe zawo ezinhliziyweni zawo, abeka isikhubekiso sokona kwawo phambi kobuso bawo. Impela ngiyakubuzwa yiwo na?

[4]Qha! Ngalokho khuluma kuwona, uthi kuwo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Yilowo nalowo muntu wakwa-Israyeli ongenisa izithombe zakhe enhliziyweni yakhe, abeke isikhubekiso sokona kwakhe phambi kobuso bakhe, eze kumprofethi, mina Jehova ngiyakumphendula ngokobuningi bezithombe zakhe,

[5]ukuze ngibambe indlu yakwa-Israyeli ngenhliziyo yabo, ngokuba bonke bazahlukanisile nami ngezithombe zabo.

[6] Portanto, dize à casa de Israel: Assim diz o SENHOR Deus: Convertei-vos, e apartai-vos dos vossos ídolos, e dai as costas a todas as vossas abominações,

[7] porque qualquer homem da casa de Israel ou dos estrangeiros que moram em Israel que se alienar de mim, e levantar os seus ídolos dentro do seu coração, e tiver tal tropeço para a iniqüidade, e vier ao profeta, para me consultar por meio dele, a esse, eu, o SENHOR, responderei por mim mesmo.

[8] Voltarei o rosto contra o tal homem, e o farei sinal e provérbio, e eliminá-lo-ei do meio do meu povo; e sabereis que eu sou o SENHOR.

[9] Se o profeta for enganado e falar alguma coisa, fui eu, o SENHOR, que enganei esse profeta; estenderei a mão contra ele e o eliminarei do meio do meu povo de Israel.

[10] Ambos levarão sobre si a sua iniqüidade; a iniqüidade daquele que consulta será como a do profeta;

[11] para que a casa de Israel não se desvie mais de mim, nem mais se contamine com todas as suas transgressões. Então, diz o SENHOR Deus: Eles serão o meu povo, e eu serei o seu Deus.

A justiça dos castigos de Deus

[12] Veio ainda a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[13] Filho do homem, quando uma terra pecar contra mim, cometendo graves

[6] Ngalokho yisho kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Phendukani, nibuye ezithombeni zenu, nifulathele zonke izinengiso zenu.

[7] Ngokuba yilowo nalowo muntu wendlu ka-Israyeli nomfokazi ogogobele kwa-Israyeli, ozahlukanisa nami, angenise izithombe zakhe enhliziyweni yakhe, abeke isikhubekiso sokona kwakhe phambi kobuso bakhe, eze kumprofethi ukuba azibuzele kimi, mina Jehova ngiyakumphendula ngokwami,

[8] ngibhekise ubuso bami bumelane nalowo muntu, ngimbeke abe yisibonakaliso nesaga, ngimnqume, asuke phakathi kwabantu bami, nazi ukuthi nginguJehova.

[9] Uma umprofethi eyengwa akhulume izwi, mina Jehova ngimyengile lowo mprofethi; ngiyakwelulela isandla sami phezu kwakhe, ngimchithe phakathi kwabantu bami u-Israyeli.

[10]Bayakuthwala ukona kwabo, ukona kobuzayo kube njengokona komprofethi,

[11]ukuze indlu yakwa-Israyeli ingabe isaduka kimi, ingabe isazingcolisa ngeziphambeko zayo zonke, kepha ibe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo, isho iNkosi uJehova.

[12]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[13] Ndodana yomuntu, lapho izwe lona kimi ngokwenza iziphambeko, ngelulele

transgressões, estenderei a mão contra ela, e tornarei instável o sustento do pão, e enviarei contra ela fome, e eliminarei dela homens e animais;

isandla sami phezu kwalo, ngaphule uzime lwalo lwesinkwa, ngithume indlala kulo, nginqume kulo abantu nezilwane,

[14] ainda que estivessem no meio dela estes três homens, Noé, Daniel e Jó, eles, pela sua justiça, salvariam apenas a sua própria vida, diz o SENHOR Deus.

[14] noma ebekhona phakathi kwalo lawa madoda amathathu, oNowa, noDaniyeli, noJobe, wona ayeyakophula imiphefumulo yawo kuphela ngokulunga kwawo, isho iNkosi uJehova.

[15] Se eu fizer passar pela terra bestas-feras, e elas a assolarem, que fique assolada, e ninguém possa passar por ela por causa das feras;

[15] Uma ngidabulisa izilwane ezimbi ezweni, ziliphange libe yincithakalo, ukuze kungadluli muntu ngenxa yezilwane,

[16] tão certo como eu vivo, diz o SENHOR Deus, ainda que esses três homens estivessem no meio dela, não salvariam nem a seus filhos nem a suas filhas; só eles seriam salvos, e a terra seria assolada.

[16]noma ebekhona lawo madoda amathathu phakathi kwalo, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ayengayikophula amadodana noma amadodakazi, ophulwe wona odwa, izwe libe yincithakalo.

[17] Ou se eu fizer vir a espada sobre essa terra e disser: Espada, passa pela terra; e eu eliminar dela homens e animais,

[17] Nokuba bengiyakwehlisela inkemba phezu kwalelo zwe, ngithi: Inkemba mayidabule ezweni, ukuze nginqume kulo abantu nezilwane,

[18] tão certo como eu vivo, diz o SENHOR Deus, ainda que esses três homens estivessem no meio dela, não salvariam nem a seus filhos nem a suas filhas; só eles seriam salvos.

[18]noma ebekhona lawo madoda amathathu phakathi kwalo, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ayengayikophula amadodana noma amadodakazi, ophulwe wona odwa.

[19] Ou se eu enviar a peste sobre essa terra e derramar o meu furor sobre ela com sangue, para eliminar dela homens e animais,

[19] Nokuba bengiyakuthuma isifo kulelo zwe, ngithele ukufutheka kwami phezu kwalo ngegazi ukuba nginqume kulo abantu nezilwane,

[20] tão certo como eu vivo, diz o SENHOR Deus, ainda que Noé, Daniel e Jó estivessem no meio dela, não salvariam

[20]noma bebekhona oNowa, noDaniyeli, noJobe phakathi kwalo, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, bebengayikophula

nem a seu filho nem a sua filha; pela sua justiça salvariam apenas a sua própria vida.

[21] Porque assim diz o SENHOR Deus: Quanto mais, se eu enviar os meus quatro maus juízos, a espada, a fome, as bestas-feras e a peste, contra Jerusalém, para eliminar dela homens e animais?

[22] Mas eis que alguns restarão nela, que levarão fora tanto filhos como filhas; eis que eles virão a vós outros, e vereis o seu caminho e os seus feitos; e ficareis consolados do mal que eu fiz vir sobre Jerusalém, sim, de tudo o que fiz vir sobre ela.

[23] Eles vos consolarão quando virdes o seu caminho e os seus feitos; e sabereis que não foi sem motivo tudo quanto fiz nela, diz o SENHOR Deus.

Ezequiel 15

Jerusalém é qual videira inútil

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[2] Filho do homem, por que mais é o sarmento de videira que qualquer outro, o sarmento que está entre as árvores do bosque?

[3] Toma-se dele madeira para fazer alguma obra? Ou toma-se dele alguma estaca, para que se lhe pendure algum objeto?

[4] Eis que é lançado no fogo, para ser consumido; se ambas as suas extremidades

amadodana noma amadodakazi, bophule imiphefumulo yabo kuphela ngokulunga kwabo.

[21] Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Kakhulu kangakanani, lapho ngithuma eJerusalema izahlulelo zami ezine ezimbi, inkemba, nendlala, nezilwane ezesabekayo, nesifo ukuba nginqume kulo abantu nezilwane, na?

[22] Kepha bheka, kuyakushiywa kulo ababalekileyo abayakukhishwa, amadodana namadodakazi; bheka, ayakuphumela kini, nibone indlela yawo nemisebenzi yawo, niduduzwe ngokubi engehlisele khona phezu kweJerusalema, yebo, ngakho konke engehlisele khona phezu kwalo.

[31] Faraó os verá e se consolará com toda a sua multidão; sim, o próprio Faraó e todo

besatshwe ezweni labaphilayo; sebethwala amahloni abo kanye nabehlela egodini; yebo, libekiwe phakathi kwababuleweyo.

[26] Lapho kukhona oMesheke noThubali naso sonke isixuku sabo, amathuna abo engakubo nxazonke, bonke babo bengabangasokile, bebulewe ngenkemba, ngokuba babebanga ukuba besatshwe ezweni labaphilayo.

[27]Laba babangasokile abawileyo abayikulala namaqhawe ehlela endaweni yabafileyo enezikhali zawo zokulwa, abekwa izinkemba zawo phansi kwamakhanda, nezihlangu zawo ziphezu kwamathambo awo, ngokuba besabisa amaqhawe ezweni labaphilayo.

[28] Nawe uyakwaphulwa phakathi kwabangasokile, ulale nababulewe ngenkemba.

[29] Lapho kukhona u-Edomi, amakhosi akhe nazo zonke izikhulu zakhe, abathe nakuba bebe nobuqhawe babekwa nababulewe ngenkemba; bayakulala nabangasokile nabehlela egodini.

[30] Lapho kukhona izikhulu zasenyakatho, zonke zazo, nabo bonke abaseSidoni, abehlile nabagwaziweyo; nakuba bebesatshwa ngenxa yobuqhawe babo, sebejabhile, balele bengasokile nababulewe ngenkemba, bethwala amahloni kanye nabehlela egodini.

[31] UFaro uyakubabona, aduduzeke ngaso sonke isixuku sakhe; ubulewe ngenkemba

o seu exército, pelo que jazerá no meio dos traspassados à espada, diz o SENHOR Deus.

32 Porque também eu pus o meu espanto na terra dos viventes; pelo que jazerá, no meio dos incircuncisos, com os traspassados à espada, Faraó e todo o seu povo, diz o SENHOR Deus.

uFaro nayo yonke impi yakhe, isho iNkosi uJehova.

32Ngenza ukuba esatshwe ezweni labaphilayo, kepha useyakulaliswa uFaro naso sonke isixuku sakhe phakathi kwabangasokile nababulewe ngenkemba, isho iNkosi uJehova.

Ezequiel 33

O dever do verdadeiro atalaia

1 Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

2 Filho do homem, fala aos filhos de teu povo e dize-lhes: Quando eu fizer vir a espada sobre a terra, e o povo da terra tomar um homem dos seus limites, e o constituir por seu atalaia;

3 e, vendo ele que a espada vem sobre a terra, tocar a trombeta e avisar o povo;

4 se aquele que ouvir o som da trombeta não se der por avisado, e vier a espada e o abater, o seu sangue será sobre a sua cabeça.

5 Ele ouviu o som da trombeta e não se deu por avisado; o seu sangue será sobre ele; mas o que se dá por avisado salvará a sua vida.

6 Mas, se o atalaia vir que vem a espada e não tocar a trombeta, e não for avisado o povo; se a espada vier e abater uma vida dentre eles, este foi abatido na sua iniqüidade, mas o seu sangue demandarei do atalaia.

UHezekeli 33

Umlindi

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, khuluma kubantwana babantu bakho, uthi kubo: Lapho ngehlisela phezu kwezwe inkemba, abantu bezwe bese bethatha umuntu phakathi kwabo, bambeke umlindi wabo,

3nalapho yena esebona inkemba yehla phezu kwezwe, abethe icilongo, axwayise abantu,

4okuzwayo ukukhala kwecilongo angaxwayi kodwa, bese yehla inkemba, imsuse, igazi lakhe liyakuba sekhanda lakhe.

5Ukukhala kwecilongo wakuzwa, kepha akaxwayanga; igazi lakhe liyakuba kuye; uma exwayile, nga ezophulile.

6Kepha uma umlindi ebona inkemba yehla, angabethi icilongo, abantu bangaxwayi, bese yehla inkemba, isuse umuntu kubo, uyasuswa ngenxa yobubi bakhe kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni somlindi.

[7] A ti, pois, ó filho do homem, te constituí por atalaia sobre a casa de Israel; tu, pois, ouvirás a palavra da minha boca e lhe darás aviso da minha parte.

[8] Se eu disser ao perverso: Ó perverso, certamente, morrerás; e tu não falares, para avisar o perverso do seu caminho, morrerá esse perverso na sua iniqüidade, mas o seu sangue eu o demandarei de ti.

[9] Mas, se falares ao perverso, para o avisar do seu caminho, para que dele se converta, e ele não se converter do seu caminho, morrerá ele na sua iniqüidade, mas tu livraste a tua alma.

[10] Tu, pois, filho do homem, dize à casa de Israel: Assim falais vós: Visto que as nossas prevaricações e os nossos pecados estão sobre nós, e nós desfalecemos neles, como, pois, viveremos?

[11] Dize-lhes: Tão certo como eu vivo, diz o SENHOR Deus, não tenho prazer na morte do perverso, mas em que o perverso se converta do seu caminho e viva. Convertei-vos, convertei-vos dos vossos maus caminhos; pois por que haveis de morrer, ó casa de Israel?

[12] Tu, pois, filho do homem, dize aos filhos do teu povo: A justiça do justo não o livrará no dia da sua transgressão; quanto à perversidade do perverso, não cairá por ela, no dia em que se converter da sua perversidade; nem o justo pela justiça poderá viver no dia em que pecar.

[7] Wena-ke, ndodana yomuntu, ngikubeke umlindi kuyo indlu yakwa-Israyeli; yizwa izwi lomlomo wami, ubaxwayise, kuvela kimi.

[8]Lapho ngithi komubi: Muntu omubi, uyakufa nokufa, bese wungakhulumi ukuba uxwayise omubi ashiye indlela yakhe, lowo muntu omubi uyakufa ngenxa yobubi bakhe, kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni sakho.

[9]Kepha uma umxwayisa omubi ukuba ashiye indlela yakhe, abuye kuyo, angabuyi kodwa endleleni yakhe, uyakufa ngenxa yobubi bakhe, kepha wena uzikhululile.

[10] Wena ndodana yomuntu, yisho kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Nisho kanje, nithi: Impela iziphambeko zethu nezono zethu ziphezu kwethu, siyonda ngenxa yazo; pho, siyakuphila kanjani na?

[11] Yisho kubo, uthi: Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, angithokozi ngokufa komubi, kuphela ngokubuya komubi endleleni yakhe aze aphile. Buyani, buyani ezindleleni zenu ezimbi; niyakufelani nina ndlu yakwa-Israyeli na?

[12] Kepha wena ndodana yomuntu, yisho kubantwana babantu bakho, uthi: Ukulunga kolungileyo akuyikumophula ngosuku lwesiphambeko sakhe, nobubi-ke bomubi akayikuwa ngabo ngosuku lokubuya kwakhe ebubini bakhe, nolungileyo akanakuphila ngakho ngosuku lokona kwakhe.

[13] Quando eu disser ao justo que, certamente, viverá, e ele, confiando na sua justiça, praticar iniqüidade, não me virão à memória todas as suas justiças, mas na sua iniqüidade, que pratica, ele morrerá.

[14] Quando eu também disser ao perverso: Certamente, morrerás; se ele se converter do seu pecado, e fizer juízo e justiça,

[15] e restituir esse perverso o penhor, e pagar o furtado, e andar nos estatutos da vida, e não praticar iniqüidade, certamente, viverá; não morrerá.

[16] De todos os seus pecados que cometeu não se fará memória contra ele; juízo e justiça fez; certamente, viverá.

[17] Todavia, os filhos do teu povo dizem: Não é reto o caminho do SENHOR; mas o próprio caminho deles é que não é reto.

[18] Desviando-se o justo da sua justiça e praticando iniqüidade, morrerá nela.

[19] E, convertendo-se o perverso da sua perversidade e fazendo juízo e justiça, por isto mesmo viverá.

[20] Todavia, vós dizeis: Não é reto o caminho do SENHOR. Mas eu vos julgarei, cada um segundo os seus caminhos, ó casa de Israel.

O castigo de Israel por causa da sua presunção

[21] No ano duodécimo do nosso exílio, aos cinco dias do décimo mês, veio a mim um que tinha escapado de Jerusalém, dizendo: Caiu a cidade.

[22] Ora, a mão do SENHOR estivera sobre mim pela tarde, antes que viesse o que

[13]Lapho ngisho kolungileyo ukuthi uyakuphila nokuphila, yena abesethemba ekulungeni kwakhe kodwa, enze okubi, akuyikukhunjulwa nesisodwa sezenzo zakhe ezilungileyo, kepha uyakufela kokubi akwenzileyo.

[14] Lapho ngithi komubi: Uyakufa nokufa, yena abesephenduka kodwa esonweni sakhe, enze okufaneleyo nokulungileyo,

[15] yena lo mubi abuyise isibambiso, akhokhe ayekuthathile, ahambe ngezimiso zokuphila, angenzi okubi, uyakuphila nokuphila, angafi.

[16]Akayikukhunjulelwa nesisodwa sezono zakhe azenzileyo; wenzile okufaneleyo nokulungileyo; uyakuphila nokuphila.

[17] Kodwa abantwana babantu bakho bathi: Indlela yeNkosi ayilingani. Kepha ngeyabo indlela engalingani.

[18]Lapho olungileyo ebuya ekulungeni kwakhe, enze okubi, uyakufa ngakho.

[19]Nalapho omubi ebuya ebubini bakhe, enze okufaneleyo nokulungileyo, uyakuphila ngakho.

[20]Nokho nisho nithi: Indlela yeNkosi ayilingani. Ngiyakunahlulela nina ndlu yakwa-Israyeli, kube yilowo nalowo ngendlela yakhe.

Ukuwa kweJerusalema

[21]Kwathi ngomnyaka weshumi nambili wokuthunjwa kwethu, ngenyanga yeshumi, ngolwesihlanu lwenyanga, kwafika kimi ophunyukileyo eJerusalema, wathi: Umuzi unqotshiwe.

[22] Isandla sikaJehova sasiphezu kwami kusihlwa, engakafiki ophunyukileyo,

tinha escapado; abrira-se-me a boca antes de, pela manhã, vir ter comigo o tal homem; e, uma vez aberta, já não fiquei em silêncio.

23 Então, veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

24 Filho do homem, os moradores destes lugares desertos da terra de Israel falam, dizendo: Abraão era um só; no entanto, possuiu esta terra; ora, sendo nós muitos, certamente, esta terra nos foi dada em possessão.

25 Dize-lhes, portanto: Assim diz o SENHOR Deus: Comeis a carne com sangue, levantais os olhos para os vossos ídolos e derramais sangue; porventura, haveis de possuir a terra?

26 Vós vos estribais sobre a vossa espada, cometeis abominações, e contamina cada um a mulher do seu próximo; e possuireis a terra?

27 Assim lhes dirás: Assim diz o SENHOR Deus: Tão certo como eu vivo, os que estiverem em lugares desertos cairão à espada, e o que estiver em campo aberto, o entregarei às feras, para que o devorem, e os que estiverem em fortalezas e em cavernas morrerão de peste.

28 Tornarei a terra em desolação e espanto, e será humilhado o orgulho do seu poder; os montes de Israel ficarão tão desolados, que ninguém passará por eles.

29 Então, saberão que eu sou o SENHOR, quando eu tornar a terra em desolação e

kepha wavula umlomo wami engakafiki kimi ekuseni; wavulwa umlomo wami, angabe ngisaba yisimungulu.

23Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

24 Ndodana yomuntu, abakhe ezincithakalweni ezweni lakwa-Israyeli basho bathi: U-Abrahama wayemunye, wadla ifa lezwe; kepha thina sibaningi, siphiwe lona libe yifa lethu.

25 Ngalokho thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nidla okunegazi, niphakamisa amehlo enu ezithombeni zenu, nichitha igazi. Pho, niyakudla ifa lezwe na?

26Niyethemba enkembeni yenu, nenza izinengiso, ningcolisa, kube yilowo nalowo umkamakhelwane wakhe. Pho, niyakudla ifa lezwe na?

27 Uyakusho kanje kubo, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Kuphila kwami, abasezincithakalweni, ngempela, bayakuwa ngenkemba, nosendle ngiyakumnika izilwane ukuba adliwe, nabasezinqabeni nasemihumeni bayakufa ngesifo.

28Ngiyakwenza izwe libe yincithakalo nokuyize, kuphele ukuzidla kwamandla alo; izintaba zakwa-Israyeli ziyakuchithwa ukuze kungabikho odlulayo.

29Bayakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ngenzile izwe libe yincithakalo nokuyize

espanto, por todas as abominações que cometeram.

[30] Quanto a ti, ó filho do homem, os filhos do teu povo falam de ti junto aos muros e nas portas das casas; fala um com o outro, cada um a seu irmão, dizendo: Vinde, peço-vos, e ouvi qual é a palavra que procede do SENHOR.

[31] Eles vêm a ti, como o povo costuma vir, e se assentam diante de ti como meu povo, e ouvem as tuas palavras, mas não as põem por obra; pois, com a boca, professam muito amor, mas o coração só ambiciona lucro.

[32] Eis que tu és para eles como quem canta canções de amor, que tem voz suave e tange bem; porque ouvem as tuas palavras, mas não as põem por obra.

[33] Mas, quando vier isto e aí vem, então, saberão que houve no meio deles um profeta.

Ezequiel 34

Profecia contra os pastores infiéis de Israel

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[2] Filho do homem, profetiza contra os pastores de Israel; profetiza e dize-lhes: Assim diz o SENHOR Deus: Ai dos pastores de Israel que se apascentam a si mesmos! Não apascentarão os pastores as ovelhas?

[3] Comeis a gordura, vestis-vos da lã e degolais o cevado; mas não apascentais as ovelhas.

ngenxa yazo zonke izinengiso zabo abazenzileyo.

[30] Wena-ke, ndodana yomuntu, abantwana babantu bakho bakhuluma ngawe ngasezindongeni naseminyango yezindlu, basho omunye komunye, omunye kumfowabo, bathi: Woza uzwe ukuthi yizwi lini eliphuma kuJehova.

[31] Bafika kuwe njengokufika kwabantu, bahlala phambi kwakho njengabantu bami, bezwa amazwi akho, abawenzi kodwa, ngokuba ngomlomo wabo babonakalisa uthando olukhulu, kepha inhliziyo yabo ilandela inzuzo yabo.

[32]Bheka, uyisihlabelelo esithandekayo sonephimbo elimnandi kubo, obetha kahle ngogubhu, ngokuba bezwa amazwi akho, abawenzi kodwa.

[33] Lapho lokhu kufika -- bheka, kuyeza! -- bayakwazi ukuthi kwakukhona umprofethi phakathi kwabo.

UHezekeli 34

Isiprofetho ngabelusi bakwa-Israyeli

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, profetha ngabelusi bakwa-Israyeli; profetha uthi kubo, kubelusi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wo kubelusi bakwa-Israyeli abazibonelela bona! Abelusi bebengayikuzalusa izimvu na?

[3]Niyadla amanoni, nembatha uboya, nihlaba ezikhulupheleyo, kepha izimvu anizalusi.

[4] A fraca não fortalecestes, a doente não curastes, a quebrada não ligastes, a desgarrada não tornastes a trazer e a perdida não buscastes; mas dominais sobre elas com rigor e dureza.

[5] Assim, se espalharam, por não haver pastor, e se tornaram pasto para todas as feras do campo.

[6] As minhas ovelhas andam desgarradas por todos os montes e por todo elevado outeiro; as minhas ovelhas andam espalhadas por toda a terra, sem haver quem as procure ou quem as busque.

[7] Portanto, ó pastores, ouvi a palavra do SENHOR:

[8] Tão certo como eu vivo, diz o SENHOR Deus, visto que as minhas ovelhas foram entregues à rapina e se tornaram pasto para todas as feras do campo, por não haver pastor, e que os meus pastores não procuram as minhas ovelhas, pois se apascentam a si mesmos e não apascentam as minhas ovelhas, -

[9] portanto, ó pastores, ouvi a palavra do SENHOR:

[10] Assim diz o SENHOR Deus: Eis que eu estou contra os pastores e deles demandarei as minhas ovelhas; porei termo no seu pastoreio, e não se apascentarão mais a si mesmos; livrarei as minhas ovelhas da sua boca, para que já não lhes sirvam de pasto.

O cuidado do Senhor pelo seu rebanho

[4]Ezibuthakathaka aniziqinisanga, negulayo aniyiphilisanga, neyaphukileyo aniyibophanga, nexoshiweyo aniyibuyisanga, nelahlekileyo aniyifunanga, kepha nizibusile ngamandla alukhuni.

[5] Zazihlakazekile, ngokuba umalusi wayengekho; zaba ngukudla kwazo zonke izilwane zasendle, zahlakazeka.

[6]Izimvu zami zazulazula kuzo zonke izintaba nakuwo onke amagquma aphakemeyo, yebo, izimvu zami zazihlakazekele ebusweni bonke bomhlaba, akwabakho ozifunayo nozicingayo.

[7] Ngalokho, belusi, zwanini izwi likaJehova lokuthi:

[8]Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, impela ngenxa yokuba izimvu zami zaba yimpango, nangokuba izimvu zami zaba ngukudla kwazo zonke izilwane zasendle, lokhu umalusi engekho, nangokuba abelusi bami bengafunanga izimvu zami, abelusi bezibonelela bona, bengazalusi izimvu zami,

[9]ngalokho, belusi, zwanini izwi likaJehova lokuthi:

[10]Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bhekani, ngimelene nabelusi, ngiyakuzibiza izimvu zami esandleni sabo, ngenze ukuba bangabe besazalusa izimvu, abelusi bangabe besazibonelela bona, ngophule izimvu zami emlonyeni wabo, zingabi ngukudla kwabo.

[11] Porque assim diz o SENHOR Deus: Eis que eu mesmo procurarei as minhas ovelhas e as buscarei.
[12] Como o pastor busca o seu rebanho, no dia em que encontra ovelhas dispersas, assim buscarei as minhas ovelhas; livrá-las-ei de todos os lugares para onde foram espalhadas no dia de nuvens e de escuridão.
[13] Tirá-las-ei dos povos, e as congregarei dos diversos países, e as introduzirei na sua terra; apascentá-las-ei nos montes de Israel, junto às correntes e em todos os lugares habitados da terra.

[14] Apascentá-las-ei de bons pastos, e nos altos montes de Israel será a sua pastagem; deitar-se-ão ali em boa pastagem e terão pastos bons nos montes de Israel.

[15] Eu mesmo apascentarei as minhas ovelhas e as farei repousar, diz o SENHOR Deus.

[16] A perdida buscarei, a desgarrada tornarei a trazer, a quebrada ligarei e a enferma fortalecerei; mas a gorda e a forte destruirei; apascentá-las-ei com justiça.

[17] Quanto a vós outras, ó ovelhas minhas, assim diz o SENHOR Deus: Eis que julgarei entre ovelhas e ovelhas, entre carneiros e bodes.
[18] Acaso, não vos basta a boa pastagem? Haveis de pisar aos pés o resto do vosso pasto? E não vos basta o terdes bebido as

[11] Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bhekani, mina ngiyakuzifuna izimvu zami, ngizicinge.
[12] Njengomalusi efuna umhlambi wakhe mhla ephakathi kwezimvu zakhe ezilahlekileyo, kanjalo ngiyakufuna izimvu zami, ngizophule kuzo zonke izindawo ezihlakazekele kuzo ngosuku lwamafu nolobumnyama.
[13]Ngiyakuzikhipha kubantu, ngiziqoqe emazweni, ngiziyise ezweni lazo, ngizaluse ezintabeni zakwa-Israyeli, ngasemifuleni, nasezindaweni zonke ezakhiweyo zezwe.
[14]Ngiyakuzalusela emadlelweni amahle, isibaya sazo sibe sezintabeni zempakama yakwa-Israyeli; ziyakubuthisa khona esibayeni esihle, ziklabe emadlelweni aluhlaza ezintabeni zakwa-Israyeli.
[15]Mina ngiyakuzalusa izimvu zami, ngenze ukuba zibuthise, isho iNkosi uJehova.
[16]Ngiyakufuna ezilahlekileyo, ngibuyise ezixoshiweyo, ngibophe ezaphukileyo, ngiqinise ezigulayo; kepha ezikhulupheleyo nezinamandla ngiyakuzichitha, ngizaluse ngokwahlulela.
[17] Nina-ke, zimvu zami, isho iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakwahlulela phakathi kwemvu nemvu naphakathi kwezimpongo.
[18]Kuncane kini yini ukuklaba edlelweni elihle nize ninyathele ngezinyawo zenu okuseleyo kwedlelo lenu, nokuphuza

águas claras? Haveis de turvar o resto com os pés?

[19] Quanto às minhas ovelhas, elas pastam o que haveis pisado com os pés e bebem o que haveis turvado com os pés.

[20] Por isso, assim lhes diz o SENHOR Deus: Eis que eu mesmo julgarei entre ovelhas gordas e ovelhas magras.

[21] Visto que, com o lado e com o ombro, dais empurrões e, com os chifres, impelis as fracas até as espalhardes fora,

[22] eu livrarei as minhas ovelhas, para que já não sirvam de rapina, e julgarei entre ovelhas e ovelhas.

[23] Suscitarei para elas um só pastor, e ele as apascentará; o meu servo Davi é que as apascentará; ele lhes servirá de pastor.

[24] Eu, o SENHOR, lhes serei por Deus, e o meu servo Davi será príncipe no meio delas; eu, o SENHOR, o disse.

[25] Farei com elas aliança de paz e acabarei com as bestas-feras da terra; seguras habitarão no deserto e dormirão nos bosques.

[26] Delas e dos lugares ao redor do meu outeiro, eu farei bênção; farei descer a chuva a seu tempo, serão chuvas de bênçãos.

[27] As árvores do campo darão o seu fruto, e a terra dará a sua novidade, e estarão seguras na sua terra; e saberão que eu sou o SENHOR, quando eu quebrar as varas do

amanzi acwebileyo nize nidunge aseleyo ngezinyawo zenu na?

[19]Izimvu zami ziyadla okunyathelwe ngezinyawo zenu, ziphuza okudungiwe ngezinyawo zenu.

[20] Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova kuzo, ithi: Bhekani, mina ngiyakwahlulela phakathi kwezimvu ezikhulupheleyo nezimvu ezondileyo.

[21]Ngokuba nisunduza ngohlangothi nangehlombe, niqhubukusha zonke ezigulayo ngezimpondo zenu, nize nizihlakazele ngaphandle,

[22]ngiyakusindisa izimvu zami, azisayikuba yimpango, ngahlulele phakathi kwezimvu nezimvu.

[23] Ngiyakumisa umalusi phezu kwazo, azaluse: inceku yami uDavide; uyakuzalusa, abe ngumalusi wazo.

[24]Mina Jehova ngiyakuba nguNkulunkulu wazo, inceku yami uDavide ibe yisikhulu phakathi kwazo; mina Jehova ngikhulumile.

[25] Ngiyakwenza nazo isivumelwano sokuthula, ngiqede izilwane ezimbi ezweni, zihlale zilondekile ehlane, zilale emahlathini.

[26]Ngiyakuzenza zona nezindawo ezizungeza intaba yami zibe yisibusiso, ngehlise imvula ngesikhathi sayo, ibe yizihlambi zesibusiso.

[27]Umuthi osendle uyakuthela izithelo zawo, umhlabathi uthele ukudla kwawo, zihlale zilondekile ezweni lazo, zazi ukuthi nginguJehova, lapho sengaphulile

seu jugo e as livrar das mãos dos que as escravizavam.

[28] Já não servirão de rapina aos gentios, e as feras da terra nunca mais as comerão; e habitarão seguramente, e ninguém haverá que as espante.

[29] Levantar-lhes-ei plantação memorável, e nunca mais serão consumidas pela fome na terra, nem mais levarão sobre si o opróbrio dos gentios.

[30] Saberão, porém, que eu, o SENHOR, seu Deus, estou com elas e que elas são o meu povo, a casa de Israel, diz o SENHOR Deus.

[31] Vós, pois, ó ovelhas minhas, ovelhas do meu pasto; homens sois, mas eu sou o vosso Deus, diz o SENHOR Deus.

izikeyi zejoka lazo, ngazophula esandleni salabo ezenziwa izikhonzi yibo.

[28] Azisayikuba yimpango yabezizwe, nesilwane somhlaba asiyikuzidla, kepha ziyakuhlala zilondekile, zingesatshiswa muntu.

[29]Ngiyakuzivusela insimu edumileyo; azisayikususwa yindlala ezweni, zingasalithwali ihlazo labezizwe.

[30]Ziyakwazi ukuthi mina Jehova uNkulunkulu wazo nginazo nokuthi zona, indlu yakwa-Israyeli, zingabantu bami, isho iNkosi uJehova.

[31]Nina niyizimvu zami, niyizimvu zedlelo lami; ningabantu, mina nginguNkulunkulu wenu, isho iNkosi uJehova.

Ezequiel 35

Profecia contra o monte Seir

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[2] Filho do homem, volve o rosto contra o monte Seir e profetiza contra ele.

[3] Dize-lhe: Assim diz o SENHOR Deus: Eis que eu estou contra ti, ó monte Seir, e estenderei a mão contra ti, e te farei desolação e espanto.

[4] Farei desertas as tuas cidades, e tu serás desolado; e saberás que eu sou o SENHOR.

[5] Pois guardaste inimizade perpétua e abandonaste os filhos de Israel à violência da espada, no tempo da calamidade e do castigo final.

UHezekeli 35

Isiprofetho ngentaba yaseSeyiri

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho ngasentabeni yaseSeyiri, uprofethe ngayo,

[3]uthi kuyo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nawe ntaba yaseSeyiri; ngiyakwelulela kuwe isandla sami, ngikwenze incithakalo nokuyize.

[4]Ngiyakwenza imizi yakho ibe yihlane, wena ube yincithakalo, wazi ukuthi nginguJehova.

[5] Ngokuba unobutha obuphakade, futhi unikele abantwana bakwa-Israyeli osikweni lwenkemba ngesikhathi

sesigemegeme sabo, ngesikhathi sokuphela kokubi,

[6] Por isso, diz o SENHOR Deus, tão certo como eu vivo, eu te fiz sangrar, e sangue te perseguirá; visto que não aborreceste o sangue, o sangue te perseguirá.

[6]ngalokho, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ngiyakwenza ube yigazi, igazi likuxoshe; ngokuba ungazondanga igazi, igazi liyakukulandela.

[7] Farei do monte Seir extrema desolação e eliminarei dele o que por ele passa e o que por ele volta.

[7]Ngiyakwenza intaba yaseSeyiri ibe yincithakalo nokuyize, nginqume kuyo odlulayo nobuyayo.

[8] Encherei os seus montes dos seus traspassados; nos teus outeiros, nos teus vales e em todas as tuas correntes, cairão os traspassados à espada.

[8]Ngiyakugcwalisa izintaba zayo ngababuleweyo bayo, abagwazwe ngenkemba bawa emagqumeni akho, nasezigodini zakho, nakuyo yonke imifula yakho.

[9] Em perpétuas desolações, te porei, e as tuas cidades jamais serão habitadas; assim sabereis que eu sou o SENHOR.

[9]Ngiyakukwenza incithakalo ephakade, imizi yakho ingabe isahlalwa, nazi ukuthi nginguJehova.

[10] Visto que dizes: Os dois povos e as duas terras serão meus, e os possuirei, ainda que o SENHOR se achava ali,

[10] Ngokuba wathi: Lezi zizwe ezimbili nalawa mazwe amabili kuyakuba ngokwami, sidle ifa lakho, noma uJehova ebelapho,

[11] por isso, tão certo como eu vivo, diz o SENHOR Deus, procederei segundo a tua ira e segundo a tua inveja, com que, no teu ódio, os trataste; e serei conhecido deles, quando te julgar.

[11]ngalokho, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ngiyakwenza njengolaka lwakho nanjengomhawu wakho obafele wona ngokubazonda kwakho, ngizazise kubo, lapho ngikwahlulela.

[12] Saberás que eu, o SENHOR, ouvi todas as blasfêmias que proferiste contra os montes de Israel, dizendo: Já estão desolados, a nós nos são entregues por pasto.

[12]Uyakwazi ukuthi nginguJehova; ngizwile zonke izithuko zakho ozikhulume ngezintaba zakwa-Israyeli ngokuthi: Yincithakalo; siphiwe zona ukuba sizidle.

[13] Vós vos engrandecestes contra mim com a vossa boca e multiplicastes as vossas palavras contra mim; eu o ouvi.

[13]Nizikhulisile kimi ngomlomo wenu, nandisile amazwi enu kimi; mina ngiwezwile.

[14] Assim diz o SENHOR Deus: Ao alegrar-se toda a terra, eu te reduzirei à desolação.

[15] Como te alegraste com a sorte da casa de Israel, porque foi desolada, assim também farei a ti; desolado serás, ó monte Seir e todo o Edom, sim, todo; e saberão que eu sou o SENHOR.

Ezequiel 36

Profecia aos montes de Israel

[1] Tu, ó filho do homem, profetiza aos montes de Israel e dize: Montes de Israel, ouvi a palavra do SENHOR.

[2] Assim diz o SENHOR Deus: Visto que diz o inimigo contra vós outros: Bem feito!, e também: Os eternos lugares altos são nossa herança,
[3] portanto, profetiza e dize: Assim diz o SENHOR Deus: Visto que vos assolaram e procuraram abocar-vos de todos os lados, para que fôsseis possessão do resto das nações e andais em lábios paroleiros e na infâmia do povo,
[4] portanto, ouvi, ó montes de Israel, a palavra do SENHOR Deus: Assim diz o SENHOR Deus aos montes e aos outeiros, às correntes e aos vales, aos lugares desertos e desolados e às cidades desamparadas, que se tornaram rapina e escárnio para o resto das nações circunvizinhas.
[5] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Certamente, no fogo do meu zelo, falei

[14]Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lapho uthokoza umhlaba wonke, ngiyakukwenza incithakalo.
[15]Njengokuthokoza kwakho ngefa lendlu yakwa-Israyeli, ngokuba ibiyincithakalo, kanjalo ngiyakwenza kuwe: uyakuba yincithakalo, ntaba yaseSeyiri, naye wonke u-Edomi, yebo, wonke wakhe, bazi ukuthi nginguJehova.

UHezekeli 36

Ukubuyiswa kuka-Israyeli

[1] Wena ndodana yomuntu, profetha ngezintaba zakwa-Israyeli, uthi: Nina zintaba zakwa-Israyeli, zwanini izwi likaJehova.
[2] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba isitha sisho kuwe, sithi: Ashila, nokuthi: Izindawo eziphakemeyo zamandulo seziyifa lethu,
[3]ngalokho profetha, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba, yebo, ngokuba banenza incithakalo, banigwinya nxazonke ukuba nibe yifa lezizwe eziseleyo, futhi niphathwa ngezindebe zezideleli nangokuhleba kwabantu,
[4]ngalokho, zintaba zakwa-Israyeli, zwanini izwi leNkosi uJehova lokuthi: Isho kanje iNkosi uJehova kuzo izintaba nakuwo amagquma, kuyo imifula nakuzo izigodi, nakuzo izindawo ezichithekileyo, nakuyo imizi eshiyiweyo, osekuyimpango nenhlekiso yezizwe eziseleyo ezikhona nxazonke,
[5]yebo, ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Impela ngomlilo womhawu

contra o resto das nações e contra todo o Edom. Eles se apropriaram da minha terra, com alegria de todo o coração e com menosprezo de alma, para despovoá-la e saqueá-la.

wami ngikhulumile ngensali yezizwe nangawo wonke u-Edomi, ababeke izwe lami libe yifa labo ngentokozo yenhliziyo yabo yonke nangamafundululu omphefumulo, ukuze lilahlwe libe yimpango;

[6] Portanto, profetiza sobre a terra de Israel e dize aos montes e aos outeiros, às correntes e aos vales: Assim diz o SENHOR Deus: Eis que falei no meu zelo e no meu furor, porque levastes sobre vós o opróbrio das nações.

[6]ngalokho profetha ngezwe lakwa-Israyeli, uthi kuzo izintaba nakuwo amagquma, kuyo imifula nakuzo izigodi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bhekani, ngikhulume ngomhawu wami nangokufutheka kwami, ngokuba nithwele ihlazo labezizwe.

[7] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Levantando eu a mão, jurei que as nações que estão ao redor de vós levem o seu opróbrio sobre si mesmas.

[7]Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiphakamisile isandla sami ngokuthi: Impela abezizwe abakini nxazonke bayakuthwala ihlazo labo.

[8] Mas vós, ó montes de Israel, vós produzireis os vossos ramos e dareis o vosso fruto para o meu povo de Israel, o qual está prestes a vir.

[8] Kepha nina zintaba zakwa-Israyeli niyakuveza amagatsha enu, nithelele abantu bami izithelo zenu, ngokuba sebeseduze ukubuya.

[9] Porque eis que eu estou convosco; voltar-me-ei para vós outros, e sereis lavrados e semeados.

[9]Ngokuba bhekani, nginani; ngiyakuphendukela kini, niyakulinywa, nihlwanyelwe.

[10] Multiplicarei homens sobre vós, a toda a casa de Israel, sim, toda; as cidades serão habitadas, e os lugares devastados serão edificados.

[10]Ngiyakwandisa abantu phezu kwenu, yonke indlu yakwa-Israyeli, yonke yayo; imizi iyakuhlalwa, nezindawo ezichithekileyo ziyakwakhiwa.

[11] Multiplicarei homens e animais sobre vós; eles se multiplicarão e serão fecundos; fá-los-ei habitar-vos como dantes e vos tratarei melhor do que outrora; e sabereis que eu sou o SENHOR.

[11]Ngiyakwandisa phezu kwenu abantu nezilwane; kuyakwanda, kuzale; ngiyakwenza ukuba nihlalwe njengakuqala, kube kuhle kini kunakuqala, nazi ukuthi ngiinguJehova.

[12] Farei andar sobre vós homens, o meu povo de Israel; eles vos possuirão, e sereis a sua herança e jamais os desfilhareis.

[13] Assim diz o SENHOR Deus: Visto que te dizem: Tu és terra que devora os homens e és terra que desfilha o seu povo,

[14] por isso, tu não devorarás mais os homens, nem desfilharás mais o teu povo, diz o SENHOR Deus.

[15] Não te permitirei jamais que ouças a ignomínia dos gentios; não mais levarás sobre ti o opróbrio dos povos, nem mais farás tropeçar o teu povo, diz o SENHOR Deus.

A restauração de Israel

[16] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[17] Filho do homem, quando os da casa de Israel habitavam na sua terra, eles a contaminaram com os seus caminhos e as suas ações; como a imundícia de uma mulher em sua menstruação, tal era o seu caminho perante mim.

[18] Derramei, pois, o meu furor sobre eles, por causa do sangue que derramaram sobre a terra e por causa dos seus ídolos com que a contaminaram.

[19] Espalhei-os entre as nações, e foram derramados pelas terras; segundo os seus caminhos e segundo os seus feitos, eu os julguei.

[20] Em chegando às nações para onde foram, profanaram o meu santo nome, pois deles se dizia: São estes o povo do

[12]Ngiyakuhambisa abantu phezu kwenu, abantu bami u-Israyeli; bayakukuzuza, ube yifa labo; awusayikubaphuca abantwana.

[13] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba bathi kuwe: Wena ungodlayo abantu, waphucile abantwana besizwe sakini,

[14]ngalokho awusayikudla abantu, ungasaphuci abantwana besizwe sakini, isho iNkosi uJehova.

[15]Angisayikukuzwisa ihlazo labezizwe, ungasathwali amahloni abantu, ungasakhubekisi isizwe sakini, isho iNkosi uJehova.

[16]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[17] Ndodana yomuntu, indlu yakwa-Israyeli isahlala ezweni layo balingcolisa ngezindlela zabo nangezenzo zabo; indlela yabo yayingcolile phambi kwami njengowesifazane ekungcoleni kwakhe.

[18]Ngase ngithulula ukufutheka kwami phezu kwabo ngenxa yegazi ababelichithe ezweni, nangokuba babelingcolisile ngezithombe zabo.

[19]Ngabahlakazela phakathi kwezizwe, basabalaliselwa emazweni; ngabahlulela njengendlela yabo nezenzo zabo.

[20] Nxa sebefika ezizweni lapho beya khona, balihlambalaza igama lami elingcwele, lapho kwakuthiwa ngabo:

SENHOR, porém tiveram de sair da terra dele.

21 Mas tive compaixão do meu santo nome, que a casa de Israel profanou entre as nações para onde foi.

22 Dize, portanto, à casa de Israel: Assim diz o SENHOR Deus: Não é por amor de vós que eu faço isto, ó casa de Israel, mas pelo meu santo nome, que profanastes entre as nações para onde fostes.

23 Vindicarei a santidade do meu grande nome, que foi profanado entre as nações, o qual profanastes no meio delas; as nações saberão que eu sou o SENHOR, diz o SENHOR Deus, quando eu vindicar a minha santidade perante elas.

24 Tomar-vos-ei de entre as nações, e vos congregarei de todos os países, e vos trarei para a vossa terra.

25 Então, aspergirei água pura sobre vós, e ficareis purificados; de todas as vossas imundícias e de todos os vossos ídolos vos purificarei.

26 Dar-vos-ei coração novo e porei dentro de vós espírito novo; tirarei de vós o coração de pedra e vos darei coração de carne.

27 Porei dentro de vós o meu Espírito e farei que andeis nos meus estatutos, guardeis os meus juízos e os observeis.

Laba bangabantu bakaJehova, kepha nokho baphumile ezweni lakubo.

21 Kodwa ngalihawukela igama lami elingcwele eyayilingcolisile indlu yakwa-Israyeli phakathi kwezizwe, lapho yaya khona.

22 Ngalokho yisho kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Isho kanje iNkosi, uJehova, ithi: Angikwenzi lokho ngenxa yenu nina ndlu yakwa-Israyeli, kepha ngenxa yegama lami elingcwele enilihlambalazile phakathi kwezizwe, lapho naya khona.

23 Ngiyakulingcwelisa igama lami elikhulu elihlanjalaziwe phakathi kwezizwe, enilihlambalazile phakathi kwazo, izizwe zazi ukuthi ngingu Jehova, isho iNkosi uJehova, lapho ngiyakungcweliseka ngani emehlweni abo.

24 Ngiyakunithabatha ezizweni, nginibuthe emazweni onke, nginiyise ezweni lakini.

25 Ngiyakunifafaza ngamanzi ahlambulukileyo, nihlambuluke, nginihlambulule kukho konke ukungcola kwenu nakuzo zonke izithombe zenu.

26 Ngiyakuninika inhliziyo entsha, ngifake phakathi kwenu umoya omusha, ngikhiphe inhliziyo yetshe enyameni yenu, ngininike inhliziyo yenyama.

27 Ngiyakufaka umoya wami phakathi kwenu, ngenze ukuba nihambe ngezimiso zami; niyakugcina izahlulelo zami, nizenze.

[28] Habitareis na terra que eu dei a vossos pais; vós sereis o meu povo, e eu serei o vosso Deus.

[28]Niyakuhlala ezweni engalinika oyihlo, nibe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu.

[29] Livrar-vos-ei de todas as vossas imundícias; farei vir o trigo, e o multiplicarei, e não trarei fome sobre vós.

[29] Ngiyakunisindisa kukho konke ukungcola kwenu, ngibize amabele, ngiwandise, ngingabeki indlala phezu kwenu.

[30] Multiplicarei o fruto das árvores e a novidade do campo, para que jamais recebais o opróbrio da fome entre as nações.

[30] Ngiyakwandisa izithelo zomuthi nokudla komhlabathi, ningabe nisamukeliswa ihlazo lendlala phakathi kwezizwe.

[31] Então, vos lembrareis dos vossos maus caminhos e dos vossos feitos que não foram bons; tereis nojo de vós mesmos por causa das vossas iniqüidades e das vossas abominações.

[31] Seniyakukhumbula izindlela zenu ezimbi nezenzo zenu ezingezinhle, ninengeke emehlweni enu ngenxa yobubi benu nangenxa yezinengiso zenu.

[32] Não é por amor de vós, fique bem entendido, que eu faço isto, diz o SENHOR Deus. Envergonhai-vos e confundi-vos por causa dos vossos caminhos, ó casa de Israel.

[32]Angikwenzi lokhu ngenxa yenu, isho iNkosi uJehova; makwaziwe kini; jabhani, nibe namahloni ngenxa yezindlela zenu nina ndlu yakwa-Israyeli.

[33] Assim diz o SENHOR Deus: No dia em que eu vos purificar de todas as vossas iniqüidades, então, farei que sejam habitadas as cidades e sejam edificados os lugares desertos.

[33] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Mhla nginihlambulula ebubini benu bonke, ngiyakwenza ukuba imizi ihlalwe, zakhiwe izindawo ezichithekileyo.

[34] Lavrar-se-á a terra deserta, em vez de estar desolada aos olhos de todos os que passam.

[34]Izwe elaliyize liyakulinywa esikhundleni sokuba yincithakalo emehlweni abo bonke abadlulayo.

[35] Dir-se-á: Esta terra desolada ficou como o jardim do Éden; as cidades desertas, desoladas e em ruínas estão fortificadas e habitadas.

[35]Bayakuthi: Leli zwe ekade laliyize selinjengensimu yase-Edene, nemizi echithekileyo neyayiyincithakalo nediliziweyo isibiyelwe, iyahlalwa.

[36] Então, as nações que tiverem restado ao redor de vós saberão que eu, o SENHOR,

[36] Seziyakwazi izizwe ezisele nxazonke zenu ukuthi mina Jehova ngakhile

reedifiquei as cidades destruídas e replantei o que estava abandonado. Eu, o SENHOR, o disse e o farei.

[37] Assim diz o SENHOR Deus: Ainda nisto permitirei que seja eu solicitado pela casa de Israel: que lhe multiplique eu os homens como um rebanho.

[38] Como um rebanho de santos, o rebanho de Jerusalém nas suas festas fixas, assim as cidades desertas se encherão de rebanhos de homens; e saberão que eu sou o SENHOR.

izindawo ezidiliziweyo, ngatshala lokhu okukade kwakuyincithakalo; mina Jehova ngikhulumile, ngiyakukwenza.

[37] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nangalokhu ngiyakucelwa yindlu yakwa-Israyeli ukuba ngiyenzele: ngiyakuyandisela abantu njengezimvu.

[38]Njengomhlambi ongcwelisiweyo, njengomhlambi waseJerusalema emikhosini yalo emisiweyo, kanjalo imizi echithekileyo iyakugcwala imihlambi yabantu, bazi ukuthi ngcollege nginguJehova.

Ezequiel 37

A visão de um vale de ossos secos

[1] Veio sobre mim a mão do SENHOR; ele me levou pelo Espírito do SENHOR e me deixou no meio de um vale que estava cheio de ossos,

[2] e me fez andar ao redor deles; eram mui numerosos na superfície do vale e estavam sequíssimos.

[3] Então, me perguntou: Filho do homem, acaso, poderão reviver estes ossos? Respondi: SENHOR Deus, tu o sabes.

[4] Disse-me ele: Profetiza a estes ossos e dize-lhes: Ossos secos, ouvi a palavra do SENHOR.

[5] Assim diz o SENHOR Deus a estes ossos: Eis que farei entrar o espírito em vós, e vivereis.

[6] Porei tendões sobre vós, farei crescer carne sobre vós, sobre vós estenderei pele e porei em vós o espírito, e vivereis. E sabereis que eu sou o SENHOR.

UHezekeli 37

Isigodi samathambo omileyo

[1] Isandla sikaJehova sasiphezu kwami, sangikhipha ngoMoya kaJehova, sangibeka phakathi kwesigodi; sasigcwele amathambo.

[2]Wangidlulisa kuwo, ngawazungeza; bheka, ayemaningi kakhulu ebusweni besigodi, futhi bheka, ayomile kakhulu.

[3]Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, lawa mathambo angaphila na? Ngathi: Nkosi Jehova, wena uyazi.

[4]Wayesethi kimi: Profetha phezu kwalawa mathambo, uthi kuwo: Nina mathambo omileyo, zwanini izwi likaJehova.

[5] Isho kanje iNkosi uJehova kulawa mathambo, ithi: Bhekani, ngiyakungenisa kini umoya, niphile.

[6]Ngiyakubeka imisipha phezu kwenu, ngihlumise inyama phezu kwenu, nginimboze ngesikhumba, nginike umoya, niphile, nazi ukuthi nginguJehova.

[7] Então, profetizei segundo me fora ordenado; enquanto eu profetizava, houve um ruído, um barulho de ossos que batiam contra ossos e se ajuntavam, cada osso ao seu osso.

[7]Ngaprofetha njengalokho ngiyaliwe, nalapho ngiprofetha kwaba khona umsindo nokugunquza; amathambo asondelana, ithambo kulo ithambo.

[8] Olhei, e eis que havia tendões sobre eles, e cresceram as carnes, e se estendeu a pele sobre eles; mas não havia neles o espírito.

[8]Ngase ngibona; bheka, kwakukhona imisipha phezu kwawo, kwahluma nenyama, nesikhumba sawasibekela ngaphezulu, kepha umoya wawungekho kuwo.

[9] Então, ele me disse: Profetiza ao espírito, profetiza, ó filho do homem, e dize-lhe: Assim diz o SENHOR Deus: Vem dos quatro ventos, ó espírito, e assopra sobre estes mortos, para que vivam.

[9]Wayesethi kimi: Profetha kuwo umoya, profetha, ndodana yomuntu, uthi kuwo umoya: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Woza, moya, uvele emimoyeni yomine, uphefumulele laba ababuleweyo ukuba baphile.

[10] Profetizei como ele me ordenara, e o espírito entrou neles, e viveram e se puseram em pé, um exército sobremodo numeroso.

[10]Ngaprofetha njengalokho ngiyaliwe; umoya wangena kuwo, aphila, ema ngezinyawo zawo, impi enkulu kakhulu impela.

[11] Então, me disse: Filho do homem, estes ossos são toda a casa de Israel. Eis que dizem: Os nossos ossos se secaram, e pereceu a nossa esperança; estamos de todo exterminados.

[11] Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, lawa mathambo ayindlu yonke yakwa-Israyeli; bathi: Bheka, amathambo ethu omile, ithemba lethu liphelile, sinqunyiwe.

[12] Portanto, profetiza e dize-lhes: Assim diz o SENHOR Deus: Eis que abrirei a vossa sepultura, e vos farei sair dela, ó povo meu, e vos trarei à terra de Israel.

[12] Ngalokho profetha, uthi kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakuvula amathuna enu, nginikhuphule emathuneni enu nina bantu bami, nginiyise ezweni lakwa-Israyeli.

[13] Sabereis que eu sou o SENHOR, quando eu abrir a vossa sepultura e vos fizer sair dela, ó povo meu.

[13]Niyakwazi ukuthi nginguJehova, lapho sengiwavulile amathuna enu, nganikhuphula emathuneni enu nina bantu bami.

[14] Porei em vós o meu Espírito, e vivereis, e vos estabelecerei na vossa própria terra. Então, sabereis que eu, o SENHOR, disse isto e o fiz, diz o SENHOR.

Reunião de Judá e Israel

[15] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:

[16] Tu, pois, ó filho do homem, toma um pedaço de madeira e escreve nele: Para Judá e para os filhos de Israel, seus companheiros; depois, toma outro pedaço de madeira e escreve nele: Para José, pedaço de madeira de Efraim, e para toda a casa de Israel, seus companheiros.

[17] Ajunta-os um ao outro, faze deles um só pedaço, para que se tornem apenas um na tua mão.

[18] Quando te falarem os filhos do teu povo, dizendo: Não nos revelarás o que significam estas coisas?

[19] Tu lhes dirás: Assim diz o SENHOR Deus: Eis que tomarei o pedaço de madeira de José, que esteve na mão de Efraim, e das tribos de Israel, suas companheiras, e o ajuntarei ao pedaço de Judá, e farei deles um só pedaço, e se tornarão apenas um na minha mão.

[20] Os pedaços de madeira em que houveres escrito estarão na tua mão, perante eles.

[21] Dize-lhes, pois: Assim diz o SENHOR Deus: Eis que eu tomarei os filhos de Israel de entre as nações para onde eles foram, e os congregarei de todas as partes, e os levarei para a sua própria terra.

[22] Farei deles uma só nação na terra, nos montes de Israel, e um só rei será rei de

[14] Ngiyakuwufaka uMoya wami kini, nize niphile, nginibeke ezweni lakini, nazi ukuthi mina Jehova ngikhulumile, ngakwenza, usho uJehova.

Izinti ezimbili

[15]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[16] Wena ndodana yomuntu, zithathele induku, ulobe kuyo ngokuthi: EkaJuda neyabantwana bakwa-Israyeli, abangane bakhe. Thatha enye induku, ulobe kuyo ngokuthi: EkaJosefa, induku ka-Efrayimi neyendlu yonke yakwa-Israyeli, abangane bakhe,

[17]uzisondeze enye kwenye, zibe yinduku inye, zibe nye esandleni sakho.

[18] Lapho abantu bakho bekhuluma kuwe, bathi: Ungesitshele ukuthi lezi ziyini kuwe na?

[19]khuluma kubo, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakuyithatha induku kaJosefa esesandleni sika-Efrayimi nezizwe zakwa-Israyeli, abangane bakhe, ngiyibeke endukwini kaJuda, ngizenze zibe yinduku inye, babe munye esandleni sami.

[20]Izinduku oloba kuzo ziyakuba sesandleni sakho phambi kwamehlo abo.

[21] Khuluma kubo, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakuthabatha abantwana bakwa-Israyeli ezizweni lapho baya khona, ngibabuthe nxazonke, ngibayise ezweni lakubo,

[22] ngibenze isizwe sinye ezweni, ezintabeni zakwa-Israyeli, kube yinkosi

todos eles. Nunca mais serão duas nações; nunca mais para o futuro se dividirão em dois reinos.

23 Nunca mais se contaminarão com os seus ídolos, nem com as suas abominações, nem com qualquer das suas transgressões; livrá-los-ei de todas as suas apostasias em que pecaram e os purificarei. Assim, eles serão o meu povo, e eu serei o seu Deus.

24 O meu servo Davi reinará sobre eles; todos eles terão um só pastor, andarão nos meus juízos, guardarão os meus estatutos e os observarão.

25 Habitarão na terra que dei a meu servo Jacó, na qual vossos pais habitaram; habitarão nela, eles e seus filhos e os filhos de seus filhos, para sempre; e Davi, meu servo, será seu príncipe eternamente.

26 Farei com eles aliança de paz; será aliança perpétua. Estabelecê-los-ei, e os multiplicarei, e porei o meu santuário no meio deles, para sempre.

27 O meu tabernáculo estará com eles; eu serei o seu Deus, e eles serão o meu povo.

28 As nações saberão que eu sou o SENHOR que santifico a Israel, quando o meu santuário estiver para sempre no meio deles.

Ezequiel 38

Profecia contra Gogue

inye kubo bonke, bangabe besaba yizizwe ezimbili, bangabe besahlukaniselwa imibuso emibili.

23Abasayikuzingcolisa ngezithombe zabo, nangokuzondekayo kwabo, nangesisodwa seziphambeko zabo, kepha ngiyakubasindisa kukho konke ukuhlehla kwabo abone ngakho, ngibahlambulule, baze babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo.

24 Inceku yami uDavide iyakuba yinkosi phezu kwabo, kube ngumalusi munye kubo bonke; bayakuhamba ezahlulelweni zami, bagcine izimiso zami, bazenze.

25 Bayakuhlala ezweni engilinike inceku yami uJakobe, ababehlala kulo oyihlo; bayakuhlala kulo, bona nabantwana babo, nabantwana babantwana babo kuze kube phakade, uDavide inceku yami abe yisikhulu sabo kuze kube phakade.

26 Ngiyakwenza isivumelwano sokuthula nabo, sibe yisivumelwano esiphakade nabo; ngiyakubamisa, ngibandise, ngibeke indlu yami engcwele phakathi kwabo kuze kube phakade.

27 Itabernakele lami liyakuba phezu kwabo; ngiyakuba nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami.

28Izizwe ziyakwazi ukuthi mina Jehova ngiyangcwelisa u-Israyeli, lapho indlu yami engcwele ikhona phakathi kwabo kuze kube phakade.

UHezekeli 38

Isiprofetho ngoGogi

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR, dizendo:
[2] Filho do homem, volve o rosto contra Gogue, da terra de Magogue, príncipe de Rôs, de Meseque e Tubal; profetiza contra ele
[3] e dize: Assim diz o SENHOR Deus: Eis que eu sou contra ti, ó Gogue, príncipe de Rôs, de Meseque e Tubal.
[4] Far-te-ei que te volvas, porei anzóis no teu queixo e te levarei a ti e todo o teu exército, cavalos e cavaleiros, todos vestidos de armamento completo, grande multidão, com pavês e escudo, empunhando todos a espada;
[5] persas e etíopes e Pute com eles, todos com escudo e capacete;
[6] Gômer e todas as suas tropas; a casa de Togarma, do lado do Norte, e todas as suas tropas, muitos povos contigo.
[7] Prepara-te, sim, dispõe-te, tu e toda a multidão do teu povo que se reuniu a ti, e serve-lhe de guarda.
[8] Depois de muitos dias, serás visitado; no fim dos anos, virás à terra que se recuperou da espada, ao povo que se congregou dentre muitos povos sobre os montes de Israel, que sempre estavam desolados; este povo foi tirado de entre os povos, e todos eles habitarão seguramente.
[9] Então, subirás, virás como tempestade, far-te-ás como nuvem que cobre a terra,

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:
[2] Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho kuGogi, izwe likaMagogi, isikhulu sakwaRoshe noMesheke noThubali, uprofethe ngaye,
[3] uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nawe Gogi, isikhulu sakwaRoshe noMesheke noThubali;
[4] ngiyakukuguqula, ngifake izingwegwe emihlathini yakho, ngikukhiphe kanye nayo yonke impi yakho, amahhashi nabamahhashi, bonke bembethe kahle kakhulu, iviyo elikhulu elinamahawu nezihlangu, bonke bephethe izinkemba,
[5]iPheresiya, neKushe, noPhuthi kukanye nabo, bonke benezihlangu nezigqoko zensimbi,
[6]iGomere nawo onke amaviyo alo, indlu kaThogarma ngasekugcineni kwasenyakatho nawo onke amaviyo akhe, abantu abaningi kanye nawe.
[7] Lungela, yebo, uzilungisele, wena nawo onke amaviyo akho abuthene kuwe, ube ngumgcini wawo.
[8]Emva kwezinsuku eziningi uyakubuthwa; ngeminyaka yokugcina uyakungena ezweni elibuyiswe enkembeni, liqoqwe ezizweni eziningi, ezintabeni zakwa-Israyeli ezaziyincithakalo njalo, eselikhishiwe kubantu, bahlale belondekile bonke.
[9]Uyakukhuphuka, ufike njengesivunguvungu, usibekele izwe

tu, e todas as tuas tropas, e muitos povos contigo.

[10] Assim diz o SENHOR Deus: Naquele dia, terás imaginações no teu coração e conceberás mau desígnio;

[11] e dirás: Subirei contra a terra das aldeias sem muros, virei contra os que estão em repouso, que vivem seguros, que habitam, todos, sem muros e não têm ferrolhos nem portas;

[12] isso a fim de tomares o despojo, arrebatares a presa e levantares a mão contra as terras desertas que se acham habitadas e contra o povo que se congregou dentre as nações, o qual tem gado e bens e habita no meio da terra.

[13] Sabá e Dedã, e os mercadores de Társis, e todos os seus governadores rapaces te dirão: Vens tu para tomar o despojo? Ajuntaste o teu bando para arrebatar a presa, para levar a prata e o ouro, para tomar o gado e as possessões, para saquear grandes despojos?

Gogue invadirá Israel

[14] Portanto, ó filho do homem, profetiza e dize a Gogue: Assim diz o SENHOR Deus: Acaso, naquele dia, quando o meu povo de Israel habitar seguro, não o saberás tu?

[15] Virás, pois, do teu lugar, dos lados do Norte, tu e muitos povos contigo, montados todos a cavalo, grande multidão e poderoso exército;

[16] e subirás contra o meu povo de Israel, como nuvem, para cobrir a terra. Nos

njengefu, wena nawo onke amaviyo akho, nabantu abaningi kanye nawe.

[10] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Kuyakuthi ngalolo suku kuvele izinto enhliziyweni yakho, ucebe amacebo amabi.

[11]Uyakuthi: Ngiyakwenyukela ezweni elisobala, ngiye kwabazinzileyo abahlala belondekile, bonke abahlala bengenalugange, kungekho kubo imigoqo nezicabha,

[12]ukuze uphange impango, ubamuke impahla, bese wuphendulela isandla sakho ezindaweni ezichithekileyo esezakhiwe nakubantu asebebuthiwe ezizweni, bezuza imfuyo nempahla, behlala enkabeni yezwe.

[13]ISheba, neDedani, nabathengi baseTharishishi kanye nazo zonke izingonyama zakho kuyakusho kuwe, kuthi: Ufikele ukuphanga na? Ubuthile iviyo lakho ukuba wamuke impahla, ususe isiliva negolide, uthathe imfuyo nempahla, uphange impango enkulu, na?

[14] Ngalokho profetha, ndodana yomuntu, uthi kuGogi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngalolo suku, lapho abantu bami u-Israyeli behlala belondekile, angithi uyakukwazi na?

[15]Uyakuvela endaweni yakho ekugcineni kwasenyakatho, wena nabantu abaningi kanye nawe, bonke bekhwele amahhashi, iviyo elikhulu nempi enamandla,

[16]ukhuphukele ukulwa nabantu bami u-Israyeli njengefu lokusibekela izwe;

últimos dias, hei de trazer-te contra a minha terra, para que as nações me conheçam a mim, quando eu tiver vindicado a minha santidade em ti, ó Gogue, perante elas.

17 Assim diz o SENHOR Deus: Não és tu aquele de quem eu disse nos dias antigos, por intermédio dos meus servos, os profetas de Israel, os quais, então, profetizaram, durante anos, que te faria vir contra eles?

18 Naquele dia, quando vier Gogue contra a terra de Israel, diz o SENHOR Deus, a minha indignação será mui grande.

19 Pois, no meu zelo, no brasume do meu furor, disse que, naquele dia, será fortemente sacudida a terra de Israel,

[4] Depois, o homem me levou pela porta do norte, diante da casa; olhei, e eis que a glória do SENHOR enchia a Casa do SENHOR; então, caí rosto em terra.

[5] Disse-me o SENHOR: Filho do homem, nota bem, e vê com os próprios olhos, e ouve com os próprios ouvidos tudo quanto eu te disser de todas as determinações a respeito da Casa do SENHOR e de todas as leis dela; nota bem quem pode entrar no templo e quem deve ser excluído do santuário.

[6] Dize aos rebeldes, à casa de Israel: Assim diz o SENHOR Deus: Bastem-vos todas as vossas abominações, ó casa de Israel!

[7] Porquanto introduzistes estrangeiros, incircuncisos de coração e incircuncisos de carne, para estarem no meu santuário, para o profanarem em minha casa, quando ofereceis o meu pão, a gordura e o sangue; violastes a minha aliança com todas as vossas abominações.
[8] Não cumpristes as prescrições a respeito das minhas coisas sagradas; antes,

[2] UJehova wathi kimi: Leli sango liyakuvalwa, aliyikuvulwa, akuyikungena muntu ngalo, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ungenile ngalo; liyakuhlala livaliwe.
[3]Kepha isikhulu, siyisikhulu, siyakuhlala kulo, sidle phambi kukaJehova; siyakungena ngendlela yompheme wesango, siphume ngendlela yawo futhi.
[4]Wayesengiyisa ngaphambi kwendlu ngendlela yesango lasenyakatho; ngabuka, bheka, inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaJehova, ngawa ngobuso bami.
[5]UJehova wathi kimi: Ndodana yomuntu, beka inhliziyo yakho, ubone ngamehlo akho, uzwe ngezindlebe zakho konke engikukhuluma kuwe ngazo zonke izimiso zendlu kaJehova nangayo yonke imithetho yayo, uqaphele indawo yendlu yokungena nazo zonke izindawo zokuphuma zendlu engcwele.
[6] Uyakusho kuyo indlu ehlubukileyo yakwa-Israyeli, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nina ndlu yakwa-Israyeli, mazanele kini zonke izinengiso zenu,
[7] lokhu ningenisile abezizwe abangasokile ngenhliziyo nabangasokile ngenyama ukuba babe sendlini yami engcwele, bayingcolise indlu yami, lapho ninikela ngesinkwa sami, nangamanoni, nangegazi, naphula isivumelwano sami ngazo zonke izinengiso zenu.
[8]Anigcinanga inkonzo yezinto zami ezingcwele, kepha nibeke

constituístes em vosso lugar estrangeiros para executarem o serviço no meu santuário.

[9] Assim diz o SENHOR Deus: Nenhum estrangeiro que se encontra no meio dos filhos de Israel, incircunciso de coração ou incircunciso de carne, entrará no meu santuário.

[10] Os levitas, porém, que se apartaram para longe de mim, quando Israel andava errado, que andavam transviados, desviados de mim, para irem atrás dos seus ídolos, bem levarão sobre si a sua iniqüidade.

[11] Contudo, eles servirão no meu santuário como guardas nas portas do templo e ministros dele; eles imolarão o holocausto e o sacrifício para o povo e estarão perante este para lhe servir.

[12] Porque lhe ministraram diante dos seus ídolos e serviram à casa de Israel de tropeço de maldade; por isso, levantando a mão, jurei a respeito deles, diz o SENHOR Deus, que eles levarão sobre si a sua iniqüidade.

[13] Não se chegarão a mim, para me servirem no sacerdócio, nem se chegarão a nenhuma de todas as minhas coisas sagradas, que são santíssimas, mas levarão sobre si a sua vergonha e as suas abominações que cometeram.

[14] Contudo, eu os encarregarei da guarda do templo, e de todo o serviço, e de tudo o que se fizer nele.

Os deveres dos sacerdotes

abayakunigcinela inkonzo endlini yami engcwele.

[9]Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Akuyikungena endlini yami engcwele owezizwe ongasokile ngenhliziyo nongasokile ngenyama kubo bonke abezizwe abaphakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[10] Kepha amaLevi adeda kude nami lapho u-Israyeli eduka, eduka elandela izithombe zawo, ayakuthwala ububi bawo,

[11]abe yizikhonzi endlini yami engcwele, abonise amasango endlu, akhonze endlini, ahlabe iminikelo yokushiswa nemihlatshelo yabantu, eme phambi kwabo ukuba abakhonze.

[12]Ngokuba ebebakhonza phambi kwezithombe zabo, aba yisikhubekiso sobubi kuyo indlu yakwa-Israyeli, ngalokho ngiphakamisile isandla sami kuwo, isho iNkosi uJehova, athwale ububi bawo.

[13]Awayikusondela kimi abe ngabapristi kimi, angasondeli nasezintweni zami ezingcwele, izinto ezingcwele kakhulu, kepha ayakuthwala ihlazo lawo nezinengiso zawo azenzileyo.

[14]Yebo, ngiyakuwabeka abagcini benkonzo yendlu emsebenzini wonke wayo kukho konke okuyakwenziwa kuyo.

[15] Mas os sacerdotes levitas, os filhos de Zadoque, que cumpriram as prescrições do meu santuário, quando os filhos de Israel se extraviaram de mim, eles se chegarão a mim, para me servirem, e estarão diante de mim, para me oferecerem a gordura e o sangue, diz o SENHOR Deus.

[16] Eles entrarão no meu santuário, e se chegarão à minha mesa, para me servirem, e cumprirão as minhas prescrições.

[17] E será que, quando entrarem pelas portas do átrio interior, usarão vestes de linho; não se porá lã sobre eles, quando servirem nas portas do átrio interior, dentro do templo.

[18] Tiaras de linho lhes estarão sobre a cabeça, e calções de linho sobre as coxas; não se cingirão a ponto de lhes vir suor.

[19] Saindo eles ao átrio exterior, ao povo, despirão as vestes com que ministraram, pô-las-ão nas santas câmaras e usarão outras vestes, para que, com as suas vestes, não santifiquem o povo.

[20] Não raparão a cabeça, nem deixarão crescer o cabelo; antes, como convém, tosquiarão a cabeça.

[21] Nenhum sacerdote beberá vinho quando entrar no átrio interior.

[22] Não se casarão nem com viúva nem com repudiada, mas tomarão virgens da

[15] Kepha abapristi bamaLevi, amadodana kaSadoki, ababegcina inkonzo yendlu yami engcwele lapho abantwana bakwa-Israyeli beduka kimi, bayakusondela kimi, bangikhonze, beme phambi kwami, banikele kimi ngamanoni nangegazi, isho iNkosi uJehova;

[16] bayakungena endlini yami engcwele, basondele etafuleni lami ukuba bangikhonze, bagcine inkonzo yami.

[17] Kuyakuthi lapho bengena emasangweni egceke elingaphakathi, bembathiswe izambatho zelineni, uboya bezimvu bungabathinti, lapho bekhonza emasangweni egceke elingaphakathi nasendlini.

[18]Bayakuba nezigqoko zelineni emakhanda abo, babe namabhulukwe elineni okhalweni lwabo, bangabhinci okujulukisayo.

[19] Lapho bephumela egcekeni elingaphandle, igceke elingaphandle labantu, bayakukhumula izambatho zabo abakhonza ngazo, bazibeke emakamelweni angcwele, bembathe ezinye izingubo, funa bangcwelise abantu ngezambatho zabo.

[20] Abayikuphucula amakhanda abo, bangavumi izihluthu zabo zibe zide, kepha bayakugunda amakhanda abo.

[21] Akuyikuphuza iwayini noyedwa umpristi, lapho bengena egcekeni elingaphakathi.

[22]Abayikuthatha umfelokazi nolahliweyo babe ngabafazi babo, kepha bathathe

linhagem da casa de Israel ou viúva que o for de sacerdote.

izintombi zozalo lwendlu yakwa-Israyeli, noma umfelokazi ongumfelokazi wompristi.

[23] A meu povo ensinarão a distinguir entre o santo e o profano e o farão discernir entre o imundo e o limpo.

[23] Bayakufundisa abantu bami ukwahlukanisa okungcwele nokuyichilo, benze umahluko phakathi kokungcolileyo nokuhlambulukileyo.

[24] Quando houver contenda, eles assistirão a ela para a julgarem; pelo meu direito julgarão; as minhas leis e os meus estatutos em todas as festas fixas guardarão e santificarão os meus sábados.

[24] Ekuphikisaneni bayakuma ukwahlulela, bakwahlulele njengezahlulelo zami, bagcine imithetho yami nezimiso zami emikhosini yonke yami, balingcwelise isabatha lami.

[25] Não se aproximarão de nenhuma pessoa morta, porque se contaminariam; somente por pai, ou mãe, ou filho, ou filha, ou irmão, ou por irmã que não tiver marido, se poderão contaminar.

[25] Abayikuthinta ofileyo, funa bazingcolise, kepha ngoyise, nangonina, nangendodana, nangendodakazi, nangomfowabo, nangodadewabo ongenandoda bangazingcolisa.

[26] Depois de ser ele purificado, contar-se-lhe-ão sete dias.

[26] Nxa esehlambulukile, uyakubalelwa izinsuku eziyisikhombisa.

[27] No dia em que ele entrar no lugar santo, no átrio interior, para ministrar no lugar santo, apresentará a sua oferta pelo pecado, diz o SENHOR Deus.

[27]Ngosuku angena ngalo endlini engcwele egcekeni elingaphakathi ukuyokhonza endlini engcwele, uyakunikela ngomnikelo wakhe wesono, isho iNkosi uJehova.

A repartição das terras

[28] Os sacerdotes terão uma herança; eu sou a sua herança. Não lhes dareis possessão em Israel; eu sou a sua possessão.

[28] Bayakuba nefa; mina ngiyifa labo; aniyikubanika imfuyo kwa-Israyeli; mina ngiyimfuyo yabo.

[29] A oferta de manjares, e a oferta pelo pecado, e a pela culpa eles comerão; e toda coisa consagrada em Israel será deles.

[29] Bayakudla umnikelo wempuphu, nomnikelo wesono, nomnikelo wecala, konke okwahlukanisiweyo kwa-Israyeli kube ngokwabo.

[30] O melhor de todos os primeiros frutos de toda espécie e toda oferta serão dos sacerdotes; também as primeiras das vossas massas dareis ao sacerdote, para

[30] Lonke ulibo lokuqala lwakho konke nayo yonke iminikelo yakho konke eminikelweni yenu yonke kuyakuba ngokwabapristi, nimnike umpristi ulibo

que faça repousar a bênção sobre a vossa casa.

31 Não comerão os sacerdotes coisa alguma que de si mesma haja morrido ou tenha sido dilacerada de aves e de animais.

lomgqakazo wenu ukuhlalisa isibusiso phezu kwendlu yakho.

31 Abapristi abayikudla okuzifeleyo nokudweshuliweyo, noma ezinyonini noma ezinkomeni.

Ezequiel 45

1 Quando, pois, repartirdes a terra por sortes em herança, fareis uma oferta ao SENHOR, uma porção santa da terra; o comprimento desta porção será de vinte e cinco mil côvados, e a largura, de dez mil; ela será santa em toda a sua extensão ao redor.

2 Será o santuário de quinhentos côvados com mais quinhentos, em quadrado, e terá em redor uma área aberta de cinqüenta côvados.

3 Desta porção santa medirás vinte e cinco mil côvados de comprimento e dez mil de largura; ali estará o santuário, o lugar santíssimo.

4 Este será o lugar santo da terra; ele será para os sacerdotes, ministros do santuário, que dele se aproximam para servir ao SENHOR, e lhes servirá de lugar para casas; e, como lugar santo, pertencerá ao santuário.

5 Os levitas, ministros da casa, terão vinte e cinco mil côvados de comprimento e dez

UHezekeli 45

1 Kuyakuthi ekwahlukanisweni kwezwe ngenkatho libe ngamafa, ninikele kuJehova ngomnikelo, okungcwele kwezwe, ubude bube ngubude bezinhlanga eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu, ububanzi bube yizinkulungwane eziyishumi, kube ngcwele emikhawulweni yonke nxazonke.

2 Kulokhu kuyakuba ngokwendlu engcwele okubude bakho bungezamakhulu ayisihlanu nokobubanzi bakho bungamakhulu ayisihlanu, kunezinhlangothi ezine nxazonke, nezingalo ezingamashumi ayisihlanu zibe ngezamadlelo akho nxazonke.

3Kuso lesi silinganiso uyakulinganisa ubude obuyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu nobubanzi obuyizinkulungwane eziyishumi, kube yindawo engcwele kakhulu.

4Kungokungcwele kwezwe, kungokwabapristi, izikhonzi zendlu engcwele ezisondela ukumkhonza uJehova, kube yindawo yezindlu zabo nendawo engcwele yendlu engcwele.

5Izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude nezinkulungwane

mil de largura, para possessão sua, para vinte câmaras.

[6] Para a possessão da cidade, de largura dareis cinco mil côvados e vinte e cinco mil de comprimento defronte da porção santa, o que será para toda a casa de Israel.

[7] O príncipe, porém, terá a sua parte deste e do outro lado da santa porção e da possessão da cidade, diante da santa porção e diante da possessão da cidade, ao lado ocidental e oriental; e o comprimento corresponderá a uma das porções, desde o limite ocidental até ao limite oriental.

[8] Esta terra será a sua possessão em Israel; os meus príncipes nunca mais oprimirão o meu povo; antes, distribuirão a terra à casa de Israel, segundo as suas tribos.

Deveres dos magistrados

[9] Assim diz o SENHOR Deus: Basta, ó príncipes de Israel; afastai a violência e a opressão e praticai juízo e justiça: tirai as vossas desapropriações do meu povo, diz o SENHOR Deus.

[10] Tereis balanças justas, efa justo e bato justo.

[11] O efa e o bato serão da mesma capacidade, de maneira que o bato contenha a décima parte do ômer, e o efa,

eziyishumi ububanzi ziyakuba ngezamaLevi, izikhonzi zendlu, zibe yifa lawo lemizi ukuhlala kuyo.

[6] Niyakunika umuzi ifa lezinkulungwane eziyisihlanu ububanzi nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude eceleni komnikelo wokungcwele, libe ngelendlu yonke yakwa-Israyeli.

[7] Okungokwesikhulu kuyakuba ngalapha nangalapha komnikelo wokungcwele nefa lomuzi, phambi komnikelo wokungcwele naphambi kwefa lomuzi, ngasohlangothini lwasentshonalanga kubheke entshonalanga, nangasohlangothini lwasempumalanga kubheke empumalanga, ngobude kulingane nesinye sezabelo zezizwe, kusukela emkhawulweni wasentshonalanga kuze kube semkhawulweni wasempumalanga.

[8]Kuyakuba yifa laso ezweni lakwa-Israyeli, izikhulu zami zingasacindezeli abantu bami, kepha zinike indlu yakwa-Israyeli njengezizwe zayo.

[9] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Makwanele kini nina zikhulu zakwa-Israyeli; susani ubudlova nokuphanga, nenze ukwahlulela nokulunga, niyeke ukuxosha abantu bami, isho iNkosi uJehova.

[10]Niyakuba nezilinganiso ezilungileyo, ne-efa elilungileyo, nebhati elilungileyo.

[11]I-efa nebhati kuyakuba yisilinganiso sinye, ukuze ibhati lifumbathe okweshumi kwehomere, ne-efa okweshumi

a décima parte do ômer; segundo o ômer, será a sua medida.

[12] O siclo será de vinte geras. Vinte siclos, mais vinte e cinco siclos, mais quinze siclos serão iguais a uma mina para vós.

[13] Esta será a oferta que haveis de fazer: de trigo, a sexta parte de um efa de cada ômer, e também de cevada, a sexta parte de um efa de cada ômer.

[14] A porção determinada de azeite será a décima parte de um bato de cada coro; um coro, como o ômer, tem dez batos.

[15] De cada rebanho de duzentas cabeças, um cordeiro tirado dos pastos ricos de Israel; tudo para oferta de manjares, e para holocausto, e para sacrifício pacífico; para que façam expiação pelo povo, diz o SENHOR Deus.

[16] Todo o povo da terra fará contribuição, para esta oferta, ao príncipe em Israel.

[17] Estarão a cargo do príncipe os holocaustos, e as ofertas de manjares, e as libações, nas Festas da Lua Nova e nos sábados, em todas as festas fixas da casa de Israel; ele mesmo proverá a oferta pelo pecado, e a oferta de manjares, e o holocausto, e os sacrifícios pacíficos, para fazer expiação pela casa de Israel.

Ofertas no Ano-Novo

kwehomere, isilinganiso salo sibe ngokwehomere.

[12] Ishekeli liyakuba ngamagera angamashumi amabili; amashekeli angamashumi amabili, namashekeli angamashumi amabili nanhlanu, namashekeli ayishumi nanhlanu ayakuba yimane kini.

[13] Lokhu kungumnikelo eniyakunikela ngawo: inxenye yesithupha ye-efa lehomere likakolweni nenxenye yesithupha ye-efa lehomere lebhali,

[14]namafutha anqunyiweyo, ibhati lamafutha: inxenye yeshumi yebhati lekhori elingamabhati ayishumi njengehomere, ngokuba amabhati ayishumi ayihomere,

[15]newundlu linye ezimvini ezingamakhulu amabili zasemadlelweni anamanzi akwa-Israyeli, libe ngumnikelo wempuphu, nomnikelo wokushiswa, nomnikelo wokuthula ukubenzela ukubuyisana, isho iNkosi uJehova.

[16]Bonke abantu bezwe bayakuba kulo mnikelo wesikhulu sakwa-Israyeli.

[17]Kuyakuba phezu kwesikhulu ukunikela ngeminikelo yokushiswa, nangeminikelo yempuphu, nangeminikelo yokuphuzwa emikhosini, nasekwethwaseni kwenyanga, nangamasabatha emikhosini yonke emisiweyo yendlu yakwa-Israyeli, silungise umnikelo wesono, nomnikelo wempuphu, nomnikelo wokushiswa, neminikelo yokuthula ukwenzela indlu yakwa-Israyeli ukubuyisana.

[18] Assim diz o SENHOR Deus: No primeiro mês, no primeiro dia do mês, tomarás um novilho sem defeito e purificarás o santuário.

[19] O sacerdote tomará do sangue e porá dele nas ombreiras da casa, e nos quatro cantos da fiada do altar, e nas ombreiras da porta do átrio interior.

[20] Assim também farás no sétimo dia do mês, por causa dos que pecam por ignorância e por causa dos símplices; assim, expiareis o templo.

Na Páscoa

[21] No primeiro mês, no dia catorze do mês, tereis a Páscoa, festa de sete dias; pão asmo se comerá.

[22] O príncipe, no mesmo dia, por si e por todo o povo da terra, proverá um novilho para oferta pelo pecado.

[23] Nos sete dias da festa, preparará ele um holocausto ao SENHOR, sete novilhos e sete carneiros sem defeito, cada dia durante os sete dias; e um bode cada dia como oferta pelo pecado.

[24] Também preparará uma oferta de manjares: para cada novilho, um efa, e um efa para cada carneiro, e um him de azeite para cada efa.

[25] No dia quinze do sétimo mês e durante os sete dias da festa, fará o mesmo: a mesma oferta pelo pecado, o mesmo

[18] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenyanga yokuqala, ngolokuqala lwenyanga, uyakuthatha inkunzi, iduna elingenasici, uhlambulule indlu engcwele.

[19]Umpristi uyakuthatha kulo igazi lomnikelo wesono, alibhece ezinsikeni zendlu, nasemagumbini omane onqenqema lwe-altare, nasezinsikeni zesango legceke elingaphakathi.

[20]Uyakwenze njalo ngolwesikhombisa lwenyanga ngaye wonke umuntu odukayo nongenalwazi, nenzele indlu ukubuyisana.

[21] Ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nane lwenyanga, niyakuba nephasika, umkhosi wezinsuku eziyisikhombisa, kudliwe isinkwa esingenamvubelo.

[22] Ngalolo suku isikhulu siyakuzilungisela sona nabantu bonke bezwe inkunzi ibe ngumnikelo wesono.

[23]Izinsuku eziyisikhombisa zomkhosi siyakulungisela uJehova umnikelo wokushiswa, izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa ezingenasici imihla ngemihla ngalezo zinsuku eziyisikhombisa, kanye nempongo imihla ngemihla ibe ngumnikelo wesono.

[24]Siyakulungisela inkunzi umnikelo wempuphu, i-efa, ne-efa ngenqama, nehini lamafutha nge-efa.

[25] Ngenyanga yesikhombisa ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga emkhosini siyakwenza okunjengalezo zinsuku

holocausto, a mesma oferta e a mesma porção de azeite.

Ezequiel 46

Nos sábados e Festas da Lua Nova

1 Assim diz o SENHOR Deus: A porta do átrio interior, que olha para o oriente, estará fechada durante os seis dias que são de trabalho; mas no sábado ela se abrirá e também no dia da Festa da Lua Nova.

2 O príncipe entrará de fora pelo vestíbulo da porta e permanecerá junto da ombreira da porta; os sacerdotes prepararão o holocausto dele e os seus sacrifícios pacíficos, e ele adorará no limiar da porta e sairá; mas a porta não se fechará até à tarde.

3 O povo da terra adorará na entrada da mesma porta, nos sábados e nas Festas da Lua Nova, diante do SENHOR.

4 O holocausto que o príncipe oferecer ao SENHOR serão, no dia de sábado, seis cordeiros sem defeito e um carneiro sem defeito.

5 A oferta de manjares será um efa para cada carneiro; para cada cordeiro, a oferta de manjares será o que puder dar; e de azeite, um him para cada efa.

6 Mas, no dia da Festa da Lua Nova, será um novilho sem defeito e seis cordeiros e um carneiro; eles serão sem defeito.

eziyisikhombisa, kunjengomnikelo wesono, nomnikelo wokushiswa, nomnikelo wempuphu, namafutha.

UHezekeli 46

1 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Isango legceke elingaphakathi, elibheke ngasempumalanga liyakuvalwa izinsuku eziyisithupha zokusebenza, kepha ngosuku lwesabatha liyakuvulwa, livulwe futhi nangosuku lokwethwasa kwenyanga.

2 Isikhulu siyakungena ngendlela yompheme wesango ngaphandle, sime ngasensikeni yesango, abapristi balungise umnikelo waso wokushiswa neminikelo yaso yokuthula, sikhuleke ngasembundwini wesango; bese siphuma, kepha isango aliyikuvalwa kuze kube kusihlwa.

3Abantu bayakukhuleka esivalweni salelo sango phambi kukaJehova ngamasabatha nangokwethwasa kwenyanga.

4Umnikelo wokushiswa isikhulu esiyakunikela ngawo kuJehova ngosuku lwesabatha uyakuba ngamawundlu ayisithupha angenasici nenqama engenasici;

5umnikelo wempuphu uyakuba yi-efa ngenqama, umnikelo wempuphu owamawundlu ube njengamandla aso, kube yihini lamafutha nge-efa.

6 Ngosuku lokwethwasa kwenyanga kube yiduna elingenasici, namawundlu ayisithupha, nenqama, okungenasici.

[7] Preparará por oferta de manjares um efa para cada novilho e um efa para cada carneiro, mas, pelos cordeiros, segundo puder; e um him de azeite para cada efa.
[8] Quando entrar o príncipe, entrará pelo vestíbulo da porta e sairá pelo mesmo caminho.

Instruções referentes às ofertas

[9] Mas, quando vier o povo da terra perante o SENHOR, nas festas fixas, aquele que entrar pela porta do norte, para adorar, sairá pela porta do sul; e aquele que entrar pela porta do sul sairá pela porta do norte; não tornará pela porta por onde entrou, mas sairá pela porta oposta.

[10] O príncipe entrará no meio deles, quando eles entrarem; em saindo eles, ele sairá.
[11] Nas solenidades e nas festas fixas, a oferta de manjares será um efa para cada novilho e um para cada carneiro; mas, pelos cordeiros, o que puder dar; e de azeite, um him para cada efa.

[12] Quando o príncipe preparar holocausto ou sacrifícios pacíficos como oferta voluntária ao SENHOR, então, lhe abrirão a porta que olha para o oriente, e fará ele o seu holocausto e os seus sacrifícios pacíficos, como costuma fazer no dia de sábado; e sairá, e se fechará a porta depois de ele sair.

[7]Siyakulungisa umnikelo wempuphu: i-efa ngenkunzi ne-efa ngenqama, ngamawundlu kube njengamandla aso, kube yihini lamafutha nge-efa.
[8] Lapho isikhulu singena, siyakungena ngendlela yompheme wesango, siphume futhi ngendlela yawo.

[9]Kepha lapho abantu bezwe bengena phambi kukaJehova emikhosini emisiweyo, ongena ngendlela yesango lasenyakatho ukuyokhuleka uyakuphuma ngendlela yesango laseningizimu; ongena ngendlela yesango laseningizimu uyakuphuma ngendlela yesango lasenyakatho; kayikubuya ngendlela yesango angene ngalo, kepha kuyakuphunywa kwelimalungana nalo.
[10]Ekungeneni kwabo isikhulu siyakuhamba phakathi kwabo; ekuphumeni bayakuphuma kanyekanye.
[11] Emikhosini nasemihlanganweni umnikelo wempuphu uyakuba yi-efa ngenkunzi ne-efa ngenqama, ngamawundlu ube njengamandla aso, kube yihini lamafutha nge-efa.
[12]Lapho isikhulu siyakulungisa umnikelo wesihle, umnikelo wokushiswa neminikelo yokuthula ibe ngumnikelo wesihle kuJehova, siyakuvulelwa isango elibheke ngasempumalanga, silungise umnikelo waso wokushiswa neminikelo yaso yokuthula njengokwenza kwaso ngosuku lwesabatha, bese siphuma; nalapho sesiphumile, isango liyakuvalwa.

[13] Prepararás um cordeiro de um ano, sem defeito, em holocausto ao SENHOR, cada dia; manhã após manhã, o prepararás.

[14] Juntamente com ele, prepararás, manhã após manhã, uma oferta de manjares para o SENHOR, a sexta parte de um efa e, de azeite, a terça parte de um him, para misturar com a flor de farinha. Isto é estatuto perpétuo e contínuo.

[15] Assim prepararão o cordeiro, e a oferta de manjares, e o azeite, manhã após manhã, em holocausto contínuo.

[16] Assim diz o SENHOR Deus: Quando o príncipe der um presente de sua herança a alguns de seus filhos, pertencerá a estes; será possessão deles por herança.

[17] Mas, dando ele um presente da sua herança a algum dos seus servos, será deste até ao ano da liberdade; então, tornará para o príncipe, porque a seus filhos, somente a eles, pertencerá a herança.

[18] O príncipe não tomará nada da herança do povo, não os esbulhará da sua possessão; da sua própria possessão deixará herança a seus filhos, para que o meu povo não seja retirado, cada um da sua possessão.

[19] Depois disto, o homem me trouxe, pela entrada que estava ao lado da porta, às câmaras santas dos sacerdotes, as quais olhavam para o norte; e eis que ali havia

[13] Uyakulungisa iwundlu elinomnyaka munye elingenasici libe ngumnikelo wokushiswa kuJehova imihla ngemihla, ulilungise ekuseni njalo.

[14]Uyakuwulungisela umnikelo wempuphu ekuseni njalo, inxenye yesithupha ye-efa nenxenye yesithathu yehini lamafutha ukugcoba impuphu ecolekileyo, kube ngumnikelo wempuphu kuJehova njalonjalo ngesimiso esiphakade.

[15]Bayakulungisa-ke iwundlu, nomnikelo wempuphu, namafutha ekuseni njalo, kube ngumnikelo wokushiswa imihla yonke.

[16] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Uma isikhulu sinika enye yamadodana aso isipho, kuyifa layo, yimfuyo yayo ngokobufa.

[17]Kepha uma sinika enye yezinceku zaso isipho sasefeni laso, siyakuba ngesayo kuze kube semnyakeni wokukhululeka, bese sibuyela esikhulwini; kepha ifa laso liyakuba ngelamadodana aso.

[18] Isikhulu asiyikuthatha efeni labantu ukubaphuca imfuyo yabo; sithatha emfuyweni yaso siyakuwanika amadodana aso ifa ukuze abantu bami bangahlukani, kube yilowo nalowo nemfuyo yakhe.

[19]Wayesengingenisa ngendawo yokungena eseceleni kwesango emakamelweni angcwele abapristi, abheke ngasenyakatho; bheka,

um lugar nos fundos extremos que olham para o ocidente.

[20] Ele me disse: Este é o lugar onde os sacerdotes cozerão a oferta pela culpa e a oferta pelo pecado e onde cozerão a oferta de manjares, para que não a tragam ao átrio exterior e assim santifiquem o povo.

[21] Então, me levou para fora, para o átrio exterior, e me fez passar aos quatro cantos do átrio; e eis que em cada canto do átrio havia outro átrio.

[22] Nos quatro cantos do átrio havia átrios pequenos, menores, de quarenta côvados de comprimento e trinta de largura; estes quatro cantos tinham a mesma dimensão.

[23] Havia um muro ao redor dos átrios, ao redor dos quatro, e havia lugares para cozer ao pé dos muros ao redor.

[24] E me disse: São estas as cozinhas, onde os ministros do templo cozerão o sacrifício do povo.

Ezequiel 47

A torrente das águas purificadoras

[1] Depois disto, o homem me fez voltar à entrada do templo, e eis que saíam águas de debaixo do limiar do templo, para o oriente; porque a face da casa dava para o oriente, e as águas vinham de baixo, do lado direito da casa, do lado sul do altar.

kwakukhona lapho indawo ngasemuva ngasentshonalanga.

[20]Wathi kimi: Nansi indawo lapho abapristi beyakuphekela khona umnikelo wecala nomnikelo wesono, nalapho beyakwenza khona umnikelo wempuphu, ukuze bangawuphumiseli egcekeni elingaphandle, bangcwelise abantu.

[21]Wayesengiphumisela egcekeni elingaphandle, wangidlulisa ezingosini zozine zegceke; bheka, ezingosini zonke zegceke kwakukhona ibala.

[22]Ezingosini zozine zegceke kwakukhona amabala ahlukanisiweyo, ubude buyizingalo ezingamashumi amane, nobubanzi bungezingamashumi amathathu; lawa omane asezingosini ayeyisilinganiso sinye.

[23]Phakathi kwawo nxazonke, nxazonke zawo omane, kwakukhona ugange olwenziwe lunamaziko phansi ogangeni nxazonke.

[24]Wathi kimi: Nazi izindlu zokuphekela izikhonzi zendlu eziyakuphekela kuzo imihlatshelo yabantu.

UHezekeli 47

Amanzi asethempelini

[1] Wayesengibuyisela emnyango wendlu; bheka, amanzi aphuma phansi kombundu wendlu ngasempumalanga, ngokuba ubuso bendlu babungasempumalanga; amanzi ehla evela phansi, ohlangothini lokunene lwendlu, ngaseningizimu kwe-altare.

[2] Ele me levou pela porta do norte e me fez dar uma volta por fora, até à porta exterior, que olha para o oriente; e eis que corriam as águas ao lado direito.

[2]Wayesengiphumisa ngendlela yesango ngasenyakatho, wangizungezisa ngendlela engaphandle esangweni elingaphandle, elibheke endleleni yasempumalanga; bheka, kwampompoza amanzi ohlangothini lokunene.

[3] Saiu aquele homem para o oriente, tendo na mão um cordel de medir; mediu mil côvados e me fez passar pelas águas, águas que me davam pelos tornozelos.

[3]Lapho umuntu esephuma, eya ngasempumalanga, enomucu wokulinganisa esandleni sakhe, walinganisa izingalo eziyinkulungwane, wangidabulisa emanzini, amanzi efinyelela emaqakaleni.

[4] Mediu mais mil e me fez passar pelas águas, águas que me davam pelos joelhos; mediu mais mil e me fez passar pelas águas, águas que me davam pelos lombos.

[4]Wabuye walinganisa inkulungwane, wangidabulisa emanzini, amanzi efinyelela emadolweni. Walinganisa futhi inkulungwane, wangidabulisa, amanzi efinyelela okhalweni.

[5] Mediu ainda outros mil, e era já um rio que eu não podia atravessar, porque as águas tinham crescido, águas que se deviam passar a nado, rio pelo qual não se podia passar.

[5]Wayesebuye walinganisa inkulungwane; kwakungumfula engingenakuwudabula, ngokuba amanzi ayekhulile, angamanzi okuhlamba, angumfula ongenakudatshulwa.

[6] E me disse: Viste isto, filho do homem? Então, me levou e me tornou a trazer à margem do rio.

[6]Wathi kimi: Ndodana yomuntu, usubonile na? Wayesengihambisa, wangibuyisela osebeni lomfula.

[7] Tendo eu voltado, eis que à margem do rio havia grande abundância de árvores, de um e de outro lado.

[7]Sengibuyile, bheka, kwakukhona imithi eminingi kakhulu osebeni lomfula, ngalapha nangalapha.

[8] Então, me disse: Estas águas saem para a região oriental, e descem à campina, e entram no mar Morto, cujas águas ficarão saudáveis.

[8]Wayesethi kimi: Lawa manzi aphumela esifundeni sasempumalanga, ehlele e-Araba, aye elwandle, aye elwandle lana aphunyisiweyo, kuphiliswe amanzi alo.

[9] Toda criatura vivente que vive em enxames viverá por onde quer que passe este rio, e haverá muitíssimo peixe, e,

[9]Kuyakuthi konke okuphilayo okuswebezelayo kuphile ezindaweni zonke lapho ifika khona leyo mifula

aonde chegarem estas águas, tornarão saudáveis as do mar, e tudo viverá por onde quer que passe este rio.

[10] Junto a ele se acharão pescadores; desde En-Gedi até En-Eglaim haverá lugar para se estenderem redes; o seu peixe, segundo as suas espécies, será como o peixe do mar Grande, em multidão excessiva.

[11] Mas os seus charcos e os seus pântanos não serão feitos saudáveis; serão deixados para o sal.

[12] Junto ao rio, às ribanceiras, de um e de outro lado, nascerá toda sorte de árvore que dá fruto para se comer; não fenecerá a sua folha, nem faltará o seu fruto; nos seus meses, produzirá novos frutos, porque as suas águas saem do santuário; o seu fruto servirá de alimento, e a sua folha, de remédio.

As fronteiras da terra de Israel

[13] Assim diz o SENHOR Deus: Este será o limite pelo qual repartireis a terra em herança, segundo as doze tribos de Israel. José terá duas partes.

[14] Vós a repartireis em heranças iguais, tanto para um como para outro; pois jurei, levantando a mão, dá-la a vossos pais; assim, que esta mesma terra vos cairá a vós outros em herança.

[15] Este será o limite da terra: do lado norte, desde o mar Grande, caminho de Hetlom, até à entrada de Zedade,

emibili, kube yizinhlanzi eziningi kakhulu, ngokuba esefike khona lawa manzi, awolwandle ayakuphiliswa, kuphile konke, lapho umfula ufika khona.

[10]Kuyakuthi kume kuwo abadobi kusukela e-Eni Gedi kuze kube se-Enegelayimi, kube ngokokwenekwa kwamanetha; kuyakuba khona izinhlanzi ngezinhlobo zazo njengezinhlanzi zoLwandle Olukhulu, zibe ziningi kakhulu.

[11]Kepha amaxhaphozi alo nezimbuku zalo akuyikuphiliswa; kuyakunikelwa kube ngusawoti.

[12] Ngasemfuleni osebeni lwawo ngalapha nangalapha kuyakumila yonke imithi edliwayo emaqabunga ayo angayikubuna, nezithelo zayo zingayikuphela; iyakuthela ezintsha izinyanga zonke, ngokuba amanzi ayo avela endlini engcwele; izithelo zayo ziyakuba ngukudla, amaqabunga ayo abe ngawokuphilisa.

Imikhawulo yezwe elingcwele

[13] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nanku umkhawulo eniyakwahlukanisa ngawo ifa lezwe ngokwezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli, uJosefa abe nezabelo ezimbili.

[14] Niyakulidla, kube yilowo nalowo, ngokuba ngasiphakamisa isandla sami ukulinika oyihlo; leli zwe liyakuba yifa lenu.

[15] Nanku umkhawulo wezwe: ohlangothini lwasenyakatho, kusukela eLwandle Olukhulu ngendlela yaseHetiloni kuze kube sekuyeni eSedadi,

[16] Hamate, Berota, Sibraim (que estão entre o limite de Damasco e o de Hamate), a cidade Hazer-Haticom (que está junto ao limite de Haurã).

[17] Assim, o limite será desde o mar até Hazar-Enom, o limite de Damasco, e, na direção do norte, está o limite de Hamate; este será o lado do Norte.

[18] O lado do oriente, entre Haurã, e Damasco, e Gileade, e a terra de Israel, será o Jordão; desde o limite do norte até ao mar do oriente, medireis; este será o lado do oriente.

[19] O lado do sul será desde Tamar até às águas de Meribá-Cades, junto ao ribeiro do Egito até ao mar Grande; este será o lado do sul.

[20] O lado do ocidente será o mar Grande, desde o limite do sul até à entrada de Hamate; este será o lado do ocidente.

[21] Repartireis, pois, esta terra entre vós, segundo as tribos de Israel.

[22] Será, porém, que a sorteareis para vossa herança e para a dos estrangeiros que moram no meio de vós, que gerarem filhos no meio de vós; e vos serão como naturais

[16]naseHamati, naseBerotha, naseSibirayimi eliphakathi komkhawulo waseDamaseku nomkhawulo waseHamati, naseHaseri eliphakathi elingasemkhawulweni waseHawurana.

[17]Umkhawulo osuka elwandle uyakuba yiHasari Enani ngasemkhawulweni waseDamaseku, nasenyakatho ngasenyakatho umkhawulo uyiHamati. Lolu luluhlangothi lwasenyakatho.

[18] Uhlangothi lwasempumalanga, kusukela phakathi kweHawurana neDamaseku, naphakathi kwelakwaGileyadi nezwe lakwa-Israyeli, luyakuba yiJordani; lusukela kulo mkhawulo, luze lube selwandle lwasempumalanga naseTamari. Lolu luluhlangothi lwasempumalanga.

[19] Uhlangothi lwaseningizimu ngaseningizimu luyakusukela eTamari, luze lube semanzini aseMeribati Kadeshi nasemfudlaneni ngaseLwandle Olukhulu. Lolu luluhlangothi lwaseningizimu ngaseningizimu.

[20] Uhlangothi lwasentshonalanga luyakuba luLwandle Olukhulu, kusukela emkhawulweni kuze kuqondane nokuya eHamati. Lolu luluhlangothi lwasentshonalanga.

[21] Niyakuzahlukanisela leli zwe ngokwezizwe zakwa-Israyeli.

[22]Kuyakuthi nilahlukanise ngenkatho, libe yifa lenu nelabafokazi abagogobala phakathi kwenu nabazele abantwana phakathi kwenu. Bona bayakuba

entre os filhos de Israel; convosco entrarão em herança, no meio das tribos de Israel.

njengabokuzalwa ekhaya phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, badle kanye nani ifa phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli.

[23] E será que, na tribo em que morar o estrangeiro, ali lhe dareis a sua herança, diz o SENHOR Deus.

[23]Kuyakuthi esizweni lapho umfokazi egogobele khona, nimnike lapho ifa lakhe, isho iNkosi uJehova.

Ezequiel 48

Os limites de sete tribos

UHezekeli 48

[1] São estes os nomes das tribos: desde a parte extrema do norte, via Hetlom, até à entrada de Hamate, até Hazar-Enom, o limite norte de Damasco até junto de Hamate e desde o lado oriental até ao ocidente, Dã terá uma porção.

[1] Nanka amagama ezizwe. Kusukela ekugcineni kwasenyakatho eceleni kwendlela yaseHetiloni kuze kube sekuyeni eHamati naseHasari Enani, emkhawulweni waseDamaseku ngasenyakatho, eceleni kweHamati, uDani uyakuba nesabelo, abe nohlangothi lwasempumalanga kuze kube sentshonalanga.

[2] Limitando-se com Dã, desde o lado oriental até ao ocidental, Aser, uma porção.

[2] Ngasemkhawulweni wakwaDani, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, u-Asheri uyakuba nesabelo.

[3] Limitando-se com Aser, desde o lado oriental até ao ocidental, Naftali, uma porção.

[3] Ngasemkhawulweni wakwa-Asheri, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uNafetali uyakuba nesabelo.

[4] Limitando-se com Naftali, desde o lado oriental até ao ocidental, Manassés, uma porção.

[4] Ngasemkhawulweni wakwaNafetali, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uManase uyakuba nesabelo.

[5] Limitando-se com Manassés, desde o lado oriental até ao ocidental, Efraim, uma porção.

[5] Ngasemkhawulweni wakwaManase, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, u-Efrayimi uyakuba nesabelo.

[6] Limitando-se com Efraim, desde o lado oriental até ao ocidental, Rúben, uma porção.

[6] Ngasemkhawulweni wakwa-Efrayimi, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uRubeni uyakuba nesabelo.

[7] Limitando-se com Rúben, desde o lado oriental até ao ocidental, Judá, uma porção.

[7] Ngasemkhawulweni wakwaRubeni, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uJuda uyakuba nesabelo.

[8] Limitando-se com Judá, desde o lado oriental até ao ocidental, será a região sagrada que haveis de separar, de vinte e cinco mil côvados de largura e de comprimento, o mesmo que o das porções, desde o lado oriental até ao ocidental; o santuário estará no meio dela.

[8] Ngasemkhawulweni wakwaJuda, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, kuyakuba ngumnikelo eniyakunikela ngawo, ububanzi bube yizingalo eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu, ubude bube njengesinye sezabelo, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, indlu engcwele ibe phakathi naso.

[9] A região que haveis de separar ao SENHOR será do comprimento de vinte e cinco mil côvados e da largura de dez mil.

[9] Umnikelo eniyakunikela ngawo kuJehova uyakuba yizingalo eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude, ububanzi bube yizinkulungwane eziyishumi.

[10] Esta região santa dos sacerdotes terá, ao norte, vinte e cinco mil côvados, ao ocidente, dez mil de largura, ao oriente,

[10]Nanku umnikelo ongcwele: owabapristi uyakuba yizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu

dez mil de largura e ao sul, vinte e cinco mil de comprimento; o santuário do SENHOR estará no meio dela.

ngasenyakatho, nangasentshonalanga izinkulungwane eziyishumi ububanzi, nangasempumalanga izinkulungwane eziyishumi ububanzi, nangaseningizimu izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude, indlu engcwele kaJehova ibe phakathi nawo.

11 Será para os sacerdotes santificados, para os filhos de Zadoque, que cumpriram o seu dever e não andaram errados, quando os filhos de Israel se extraviaram, como fizeram os levitas.

11 Uyakuba ngowabapristi, abangcwelisiweyo bamadodana kaSadoki, abagcine inkonzo yami; abadukanga lapho beduka abantwana bakwa-Israyeli, njengalokho aduka amaLevi.

12 Será região especial dentro da região sagrada, lugar santíssimo, fazendo limites com a porção dos levitas.

12Uyakuba kubo umnikelo womnikelo wezwe, into engcwelengcwele, ngasemkhawulweni wamaLevi.

Os limites dos sacerdotes e dos levitas

13 Os levitas, segundo o limite dos sacerdotes, terão vinte e cinco mil côvados de comprimento e dez mil de largura; todo o comprimento será vinte e cinco mil, e a largura, dez mil.

13 Maqondana nomkhawulo wabapristi amaLevi ayakuba nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude nezinkulungwane eziyishumi ububanzi, bonke ubude bube yizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu, ububanzi bube yizinkulungwane eziyishumi.

14 Não venderão nada disto, nem trocarão, nem transferirão a outrem o melhor da terra, porque é santo ao SENHOR.

14Abayikuthengisa ngawo, bangenani ngawo, bangahlukaniseli abanye ulibo lwezwe, ngokuba lingcwele kuJehova.

Os limites da cidade

15 Mas os cinco mil côvados que ficaram da largura diante dos vinte e cinco mil serão para o uso civil da cidade, para habitação e para arredores; a cidade estará no meio.

15 Izinkulungwane eziyisihlanu ezisele ebubanzini nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu zasebudeni ziyakuba ngezokungengcwele, zibe ngezomuzi, ezokwakha nezamadlelo, umuzi ube phakathi nazo.

16 Serão estas as suas medidas: o lado norte, de quatro mil e quinhentos côvados,

16Nazi izilinganiso zalo: uhlangothi lwasenyakatho yizinkulungwane ezine

o lado sul, de quatro mil e quinhentos, o lado oriental, de quatro mil e quinhentos, e o lado ocidental, de quatro mil e quinhentos.

namakhulu ayisihlanu, nohlangothi lwaseningizimu izinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu, nasohlangothini lwasempumalanga izinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu, nohlangothi lwasentshonalanga izinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu.

[17] Os arredores da cidade serão, ao norte, de duzentos e cinqüenta côvados, ao sul, de duzentos e cinqüenta côvados, ao oriente, de duzentos e cinqüenta e, ao ocidente, de duzentos e cinqüenta.

[17]Umuzi uyakuba namadlelo: ngasenyakatho ngamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nangaseningizimu amakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nangasempumalanga amakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nangasentshonalanga amakhulu amabili namashumi ayisihlanu.

[18] Quanto ao que ficou do resto do comprimento, paralelo à região sagrada, será de dez mil para o oriente e de dez mil para o ocidente e corresponderá à região sagrada; e o seu produto será para o sustento daqueles que trabalham na cidade.

[18]Okusele ebudeni maqondana nomnikelo ongcwele kuyakuba yizinkulungwane eziyishumi ngasempumalanga, nezinkulungwane eziyishumi ngasentshonalanga, kuqondane nomnikelo ongcwele, izithelo zawo zibe ngukudla kwabasebenza emzini.

[19] Lavrá-lo-ão os trabalhadores da cidade, provindos de todas as tribos de Israel.

[19]Abasebenza emzini bayakuwulima, bevela ezizweni zonke zakwa-Israyeli.

[20] A região toda será de vinte e cinco mil côvados em quadrado, isto é, a região sagrada juntamente com a possessão da cidade.

[20]Wonke umnikelo uyakuba yizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu, ninikele ngomnikelo ongcwele, unezinhlangothi ezine kanye nefa lomuzi.

Os limites do príncipe

[21] O que restar será para o príncipe, deste e do outro lado da região sagrada e da possessão da cidade. Por isso, aquilo que se estende dos vinte e cinco mil côvados em direção do oriente e também dos vinte

[21] Okuseleyo kuyakuba ngokwesikhulu ngalapha nangalapha komnikelo ongcwele nefa lomuzi maqondana nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu zomnikelo ngasemkhawulweni

e cinco mil côvados em direção do ocidente, paralelamente com as porções, será do príncipe; a região sagrada e o santuário do templo estarão no meio.

wasempumalanga, nasentshonalanga maqondana nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ngasemkhawulweni wasentshonalanga, kuqondane nezabelo, kube ngokwesikhulu; umnikelo ongcwele nendlu engcwele kube phakathi nakho.

[22] Excetuando o que pertence aos levitas e a cidade que está no meio daquilo que pertence ao príncipe, entre o território de Judá e o de Benjamim, será isso para o príncipe.

[22]Okusukela efeni lamaLevi nasefeni lomuzi kuyakuba phakathi kokwesikhulu, okwesikhulu kube phakathi komkhawulo wakwaJuda nomkhawulo wakwaBenjamini.

Os limites das outras cinco tribos

[23] Quanto ao resto das tribos, desde o lado oriental até ao ocidental, Benjamim terá uma porção.

[23] Izizwe eziseleyo-ke: kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga uBenjamini uyakuba nesabelo.

[24] Limitando-se com Benjamim, desde o lado oriental até ao ocidental, Simeão, uma porção.

[24] Ngasemkhawulweni wakwaBenjamini, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uSimeyoni uyakuba nesabelo.

[25] Limitando-se com Simeão, desde o lado oriental até ao ocidental, Issacar, uma porção.

[25] Ngasemkhawulweni wakwaSimeyoni, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, u-Isakare uyakuba nesabelo.

[26] Limitando-se com Issacar, desde o lado oriental até ao ocidental, Zebulom, uma porção.

[26] Ngasemkhawulweni wakwa-Isakare, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uZebuloni uyakuba nesabelo.

[27] Limitando-se com Zebulom, desde o lado oriental até ao ocidental, Gade, uma porção.

[27] Ngasemkhawulweni wakwaZebuloni, kusukela ohlangothi lwasempumalanga kuze kube sohlangothini

[28] Limitando-se com o território de Gade, ao sul, o limite será desde Tamar até às águas de Meribá-Cades, ao longo do ribeiro do Egito até ao mar Grande.

[29] Esta é a terra que sorteareis em herança às tribos de Israel; e estas, as suas porções, diz o SENHOR Deus.

As portas da cidade

[30] São estas as saídas da cidade: do lado norte, que mede quatro mil e quinhentos côvados,

[31] três portas: a porta de Rúben, a de Judá e a de Levi, tomando as portas da cidade os nomes das tribos de Israel;

[32] do lado oriental, quatro mil e quinhentos côvados e três portas, a saber: a porta de José, a de Benjamim e a de Dã;

[33] do lado sul, quatro mil e quinhentos côvados e três portas: a porta de Simeão, a de Issacar e a de Zebulom;

lwasentshonalanga uGadi uyakuba nesabelo.

[28] Ngasemkhawulweni wakwaGadi, ohlangothini lwaseningizimu ngaseningizimu, umkhawulo uyakusuka eTamari kuze kube semanzini aseMeribati Kadeshi nasemfudlaneni, ngaseLwandle Olukhulu.

[29] Yilo leli zwe eniyakulahlukanisa ngenkatho, libe yifa lezizwe zakwa-Israyeli; yilezi izabelo zazo, isho iNkosi uJehova.

Amasango omuzi

[30] Nanka amacele omuzi: kusukela ohlangothini lwasenyakatho yizingalo eziyizinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu ngokulinganisa.

[31]Amasango omuzi ayakubizwa ngamagama ezizwe zakwa-Israyeli, amasango amathathu abe ngasenyakatho: elinye yisango lakwaRubeni, elinye yisango lakwaJuda, elinye yisango lakwaLevi.

[32] Nasohlangothini lwasempumalanga yizingalo eziyizinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu, namasango amathathu: elinye yisango lakwaJosefa, elinye yisango lakwaBenjamini, elinye yisango lakwaDani.

[33] Nasohlangothini lwaseningizimu yizingalo eziyizinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu ngokulinganisa, namasango, amathathu: elinye yisango lakwaSimeyoni, elinye yisango lakwa-Isakare, elinye yisango lakwaZebuloni.

[34] do lado ocidental, quatro mil e quinhentos côvados e as suas três portas: a porta de Gade, a de Aser e a de Naftali.

[35] Dezoito mil côvados em redor; e o nome da cidade desde aquele dia será: O SENHOR Está Ali.

[34] Ohlangothini lwasentshonalanga yizingalo eziyizinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu, namasango azo amathathu: elinye yisango lakwaGadi, elinye yisango lakwa-Asheri, elinye yisango lakwaNafetali.

[35] Nxazonke kuyakuba yizingalo eziyizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili. Igama lomuzi kusukela kulolu suku liyakuthiwa UJEHOVA ULAPHA.

Daniel 1

A educação de Daniel e de seus companheiros

[1] No ano terceiro do reinado de Jeoaquim, rei de Judá, veio Nabucodonosor, rei da Babilônia, a Jerusalém e a sitiou.

[2] O SENHOR lhe entregou nas mãos a Jeoaquim, rei de Judá, e alguns dos utensílios da Casa de Deus; a estes, levou-os para a terra de Sinar, para a casa do seu deus, e os pôs na casa do tesouro do seu deus.

[3] Disse o rei a Aspenaz, chefe dos seus eunucos, que trouxesse alguns dos filhos de Israel, tanto da linhagem real como dos nobres,

[4] jovens sem nenhum defeito, de boa aparência, instruídos em toda a sabedoria, doutos em ciência, versados no conhecimento e que fossem competentes para assistirem no palácio do rei e lhes ensinasse a cultura e a língua dos caldeus.

[5] Determinou-lhes o rei a ração diária, das finas iguarias da mesa real e do vinho que ele bebia, e que assim fossem mantidos por três anos, ao cabo dos quais assistiriam diante do rei.

[6] Entre eles, se achavam, dos filhos de Judá, Daniel, Hananias, Misael e Azarias.

[7] O chefe dos eunucos lhes pôs outros nomes, a saber: a Daniel, o de Beltessazar;

UDaniyeli 1

Ukuthunjwa nokufundiswa kukaDaniyeli nabangane bakhe

[1] Ngomnyaka wesithathu wokubusa kukaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, kwafika uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, eJerusalema, walivimbezela.

[2] INkosi yanikela esandleni sakhe uJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, nenxenye yezitsha zendlu kaNkulunkulu, waziyisa ezweni laseShineyari endlini kankulunkulu wakhe, waziyisa izitsha endlini yengcebo kankulunkulu wakhe.

[3] Inkosi yakhuluma ku-Ashipenazi, induna yabathenwa bayo, ukuba athathe kubantwana bakwa-Israyeli abozalo lwenkosi nezikhulu, abalethe,

[4]abafana abangenasici, ababukeka kahle, abanengqondo ekuhlakanipheni konke, abanolwazi ekwazini, abanokuqonda ekwazini, abanamandla ukukhonza endlini yenkosi, abafundise izincwadi nolimi lwamaKaledi.

[5]Inkosi yabamisela isabelo semihla ngemihla sokudla kwenkosi nesewayini eliphuzayo, bondliwe iminyaka emithathu; kuyakuthi ngasekugcineni kwayo beme phambi kwenkosi.

[6]Kulabo kwakukhona kubantwana bakwaJuda oDaniyeli, noHananiya, noMishayeli, no-Azariya.

[7] Induna yabathenwa yabetha amagama; uDaniyeli yametha ngokuthi uBeliteshasari, noHananiya uShadiraki,

a Hananias, o de Sadraque; a Misael, o de Mesaque; e a Azarias, o de Abede-Nego.

[8] Resolveu Daniel, firmemente, não contaminar-se com as finas iguarias do rei, nem com o vinho que ele bebia; então, pediu ao chefe dos eunucos que lhe permitisse não contaminar-se.

[9] Ora, Deus concedeu a Daniel misericórdia e compreensão da parte do chefe dos eunucos.

[10] Disse o chefe dos eunucos a Daniel: Tenho medo do meu senhor, o rei, que determinou a vossa comida e a vossa bebida; por que, pois, veria ele o vosso rosto mais abatido do que o dos outros jovens da vossa idade? Assim, poríeis em perigo a minha cabeça para com o rei.

[11] Então, disse Daniel ao cozinheiro-chefe, a quem o chefe dos eunucos havia encarregado de cuidar de Daniel, Hananias, Misael e Azarias:

[12] Experimenta, peço-te, os teus servos dez dias; e que se nos dêem legumes a comer e água a beber.

[13] Então, se veja diante de ti a nossa aparência e a dos jovens que comem das finas iguarias do rei; e, segundo vires, age com os teus servos.

[14] Ele atendeu e os experimentou dez dias.

[15] No fim dos dez dias, a sua aparência era melhor; estavam eles mais robustos do que todos os jovens que comiam das finas iguarias do rei.

noMishayeli uMeshaki, no-Azariya u-Abedi Nego.

[8]Kepha uDaniyeli wazimisela enhliziyweni yakhe ukuba angazingcolisi ngesabelo sokudla kwenkosi nangewayini eliphuzayo; wayesecela enduneni yabathenwa ukuba angazingcolisi.

[9] UNkulunkulu wamnika uDaniyeli ukuba athole umusa nobumnene emehlweni enduna yabathenwa.

[10]Induna yabathenwa yathi kuDaniyeli: Mina ngiyesaba ukuthi inkosi yami, inkosi, emisile ukudla kwenu nokuphuza kwenu, iyakubona ubuso benu ukuba buxhozekile kunabafana abayintanga yenu, nilifake engozini ikhanda lami enkosini.

[11]Wayesethi uDaniyeli encekwini, induna yabathenwa ebiyibeke phezu koDaniyeli, noHananiya, noMishayeli, no-Azariya:

[12] Ake ulinge izinceku zakho izinsuku eziyishumi, basiphe imifino yokudla namanzi okuphuza.

[13]Bese bubekwa ubuso bethu phambi kwakho kanye nobuso babafana abadla isabelo sokudla kwenkosi, wenze ezincekwini zakho njengokubona kwakho.

[15]Iyakufika inkosi yasenyakatho, inqwabele iduli, ithathe umuzi obiyelweyo; izingalo zaseningizimu aziyikuma, nabantu bayo abakhethiweyo abayikuba namandla okuma.

[16]Kepha omsukelayo uyakwenza njengentando yakhe, akakho oyakuma phambi kwakhe; uyakuma ezweni elihle, abhubhise ngesandla sakhe.

[17]Uyakubhekisa ubuso bakhe ukufika namandla ombuso wakhe wonke kanye nezivumelwano, azenze; uyakumnika indodakazi yabesifazane, ayonakalise, kepha ayiyikuma, ingabi ngowakhe.

[18]Useyakubuphendulela ubuso bakhe eziqhingini, athathe eziningi, kepha isikhulu siyakuqeda ihlazo elenziwa nguye, futhi sibuyisele ihlazo lakhe kuye.

[19]Useyakubuphendulela ubuso bakhe ezinqabeni zezwe lakubo, kepha uyakukhubeka, awe, angabe esafunyanwa.

[20] Bese kuvela esikhundleni sakhe oyakudlulisa umthelisi emhlobisweni wombuso, kepha ngezinsuku eziyingcosana uyakubhujiswa, kungabi ngolaka nangokulwa kodwa.

[21] Esikhundleni sakhe kuyakuvela odelelekileyo abangamnikanga udumo

dignidade real; mas ele virá caladamente e tomará o reino, com intrigas.
[22] As forças inundantes serão arrasadas de diante dele; serão quebrantadas, como também o príncipe da aliança.

[23] Apesar da aliança com ele, usará de engano; subirá e se tornará forte com pouca gente.

[24] Virá também caladamente aos lugares mais férteis da província e fará o que nunca fizeram seus pais, nem os pais de seus pais: repartirá entre eles a presa, os despojos e os bens; e maquinará os seus projetos contra as fortalezas, mas por certo tempo.
[25] Suscitará a sua força e o seu ânimo contra o rei do Sul, à frente de grande exército; o rei do Sul sairá à batalha com grande e mui poderoso exército, mas não prevalecerá, porque maquinarão projetos contra ele.

[26] Os que comerem os seus manjares o destruirão, e o exército dele será arrasado, e muitos cairão traspassados.

[27] Também estes dois reis se empenharão em fazer o mal e a uma só mesa falarão mentiras; porém isso não prosperará, porque o fim virá no tempo determinado.

[28] Então, o homem vil tornará para a sua terra com grande riqueza, e o seu coração

lobukhosi; uyakufika ngesikhathi sokuthula, athathe umbuso ngobushelezi.
[22]Ngengalo yesifufula bayakukhukhulwa ebusweni bakhe, babhujiswe, yebo, nesikhulu sesivumelwano.
[23]Emva kokuvumelana naye uyakusebenza ngenkohliso, ngokuba uyakukhuphuka, abe namandla enesizwe esincane nje.
[24]Ngesikhathi sokuthula uyakusukela izindawo ezinonileyo zesifunda, akwenze okungenziwanga ngoyise nangoyisemkhulu: uyakuhlakaza phakathi kwabo impango, nengcugco, nempahla, acebe amacebo ngezinqaba kube yisikhathi.

[25] Uyakuvusela inkosi yaseningizimu amandla akhe nesibindi sakhe ngempi enkulu, inempi enkulu enamandla impela; kepha ayiyikuma, ngokuba bayakuceba amacebo ngayo.

[26]Abadla ukudla kwayo okumnandi bayakuyibhubhisa, impi yayo ikhukhulwe; abaningi bayakuwa phansi begwaziwe.
[27]Amakhosi-ke omabili, izinhliziyo zawo ziyakuba ngezokwenza okubi; ayakukhuluma amanga esetafuleni linye, kepha akuyikuphumelela, ngokuba ukuphela kusezakuba sesikhathini esimisiweyo.
[28]Bese ibuyela ezweni lakubo inempahla enkulu, inhliziyo yayo imelane

será contra a santa aliança; ele fará o que lhe aprouver e tornará para a sua terra.

29 No tempo determinado, tornará a avançar contra o Sul; mas não será nesta última vez como foi na primeira,

30 porque virão contra ele navios de Quitim, que lhe causarão tristeza; voltará, e se indignará contra a santa aliança, e fará o que lhe aprouver; e, tendo voltado, atenderá aos que tiverem desamparado a santa aliança.

31 Dele sairão forças que profanarão o santuário, a fortaleza nossa, e tirarão o sacrifício diário, estabelecendo a abominação desoladora.

32 Aos violadores da aliança, ele, com lisonjas, perverterá, mas o povo que conhece ao seu Deus se tornará forte e ativo.

33 Os sábios entre o povo ensinarão a muitos; todavia, cairão pela espada e pelo fogo, pelo cativeiro e pelo roubo, por algum tempo.

34 Ao caírem eles, serão ajudados com pequeno socorro; mas muitos se ajuntarão a eles com lisonjas.

35 Alguns dos sábios cairão para serem provados, purificados e embranquecidos, até ao tempo do fim, porque se dará ainda no tempo determinado.

36 Este rei fará segundo a sua vontade, e se levantará, e se engrandecerá sobre todo deus; contra o Deus dos deuses falará

nesivumelwano esingcwele; isikwenzile iyakubuyela ezweni lakubo.

29 Ngesikhathi esinqunyiweyo iyakubuya, iye eningizimu; kepha akuyikuba sekugcineni njengasekuqaleni.

30Imikhumbi yaseKitimi iyakuyisukela; bese idabuka, ibuye ithukuthelele isivumelwano esingcwele, ifeze; iyakubuya, inake abasishiyile isivumelwano esingcwele.

31 Izimpi ziyakuvela nayo, zingcolise indlu engcwele, inqaba, zisuse umnikelo oshiswa imihla yonke, zimise isinengiso esichithayo.

32Iyakonakalisa ngokuthopha abaphatha kabi isivumelwano, kepha abantu abamaziyo uNkulunkulu wabo bayakuba namandla, baphikelele.

33 Abahlakaniphileyo babantu bayakuqondisa abaningi; kepha bayakuwa ngenkemba, nangelangabi, nangokuthunjwa, nangokuphangwa izinsuku eziningi.

34Ekuweni kwabo bayakusizwa ngokusizwa okuncane, bese bebambelela kubo abaningi ngokuthopha.

35 Abanye kwabahlakaniphileyo bayakuwa ukuba bacwengisiswe, bahlanzwe, benziwe mhlophe kuze kube sesikhathini sokuphela, ngokuba kusezakuba sesikhathini esimisiweyo.

36 Inkosi iyakwenza njengentando yayo, iziphakamise, izikhulise phezu kwabo bonke onkulunkulu, ikhulume

coisas incríveis e será próspero, até que se cumpra a indignação; porque aquilo que está determinado será feito.

37 Não terá respeito aos deuses de seus pais, nem ao desejo de mulheres, nem a qualquer deus, porque sobre tudo se engrandecerá.

38 Mas, em lugar dos deuses, honrará o deus das fortalezas; a um deus que seus pais não conheceram, honrará com ouro, com prata, com pedras preciosas e coisas agradáveis.

39 Com o auxílio de um deus estranho, agirá contra as poderosas fortalezas, e aos que o reconhecerem, multiplicar-lhes-á a honra, e fá-los-á reinar sobre muitos, e lhes repartirá a terra por prêmio.

40 No tempo do fim, o rei do Sul lutará com ele, e o rei do Norte arremeterá contra ele com carros, cavaleiros e com muitos navios, e entrará nas suas terras, e as inundará, e passará.

41 Entrará também na terra gloriosa, e muitos sucumbirão, mas do seu poder escaparão estes: Edom, e Moabe, e as primícias dos filhos de Amom.

42 Estenderá a mão também contra as terras, e a terra do Egito não escapará.

okumangalisayo ngoNkulunkulu wawonkulunkulu, ibe nenhlanhla luze luphelele ulaka, ngokuba okumisiweyo kuyakwenziwa.

37 Ayiyikunakekela onkulunkulu bawoyise nofiswa yisifazane, inganaki nonkulunkulu oyedwa, ngokuba iyakuzikhulisa phezu kwabo bonke.

38Kepha unkulunkulu wezinqaba uyakumdumisa esikhundleni sabo, nonkulunkulu ababengamazi oyise uyakumdumisa ngegolide, nangesiliva, nangamatshe anqabileyo nangokunye okuthandiweyo.

39Iyakwenze njalo ezinqabeni ezinamandla inonkulunkulu ongowabezizwe; omvumayo iyakumandisela udumo, imenze ukuba abuse abaningi, imahlukanisele izwe libe ngumvuzo wakhe.

40 Ngesikhathi sokuphela inkosi yaseningizimu iyakuqhubukushana nayo; inkosi yasenyakatho isiyakuvunguzela yona ngezinqola, nangabamahhashi, nangemikhumbi eminingi, ingene emazweni amaningi, ikhukhule, idlule.

41 Iyakungena nasezweni elihle, namanye amaningi ayakukhubeka, kepha lana ayakophulwa esandleni sayo: o-Edomi, noMowabi, nemvama yabantwana bakwa-Amoni.

42Iyakwelulela isandla emazweni, nezwe laseGibithe aliyikubaleka.

[43] Apoderar-se-á dos tesouros de ouro e de prata e de todas as coisas preciosas do Egito; os líbios e os etíopes o seguirão.

[44] Mas, pelos rumores do Oriente e do Norte, será perturbado e sairá com grande furor, para destruir e exterminar a muitos.

[45] Armará as suas tendas palacianas entre os mares contra o glorioso monte santo; mas chegará ao seu fim, e não haverá quem o socorra.

Daniel 12

O tempo do fim

[1] Nesse tempo, se levantará Miguel, o grande príncipe, o defensor dos filhos do teu povo, e haverá tempo de angústia, qual nunca houve, desde que houve nação até àquele tempo; mas, naquele tempo, será salvo o teu povo, todo aquele que for achado inscrito no livro.

[2] Muitos dos que dormem no pó da terra ressuscitarão, uns para a vida eterna, e outros para vergonha e horror eterno.

[3] Os que forem sábios, pois, resplandecerão como o fulgor do firmamento; e os que a muitos conduzirem à justiça, como as estrelas, sempre e eternamente.

[4] Tu, porém, Daniel, encerra as palavras e sela o livro, até ao tempo do fim; muitos o esquadrinharão, e o saber se multiplicará.

[43]Iyakubusa phezu kwengcebo yegolide nesiliva, naphezu kwakho konke okuthandiweyo kwaseGibithe; amaLubi namaKushe ayakuba sezinyathelweni zayo.

[44]Iyakwethuswa yimibiko evela empumalanga nasenyakatho; iyakuphuma ngokufutheka okukhulu ukuchitha nokubhubhisa abaningi.

[45]Iyakumisa itende lendlu yayo yobukhosi phakathi kolwandle nentaba enhle engcwele; kepha iya nokho ekupheleni kwayo, akakho ongayisiza.

UDaniyeli 12

[1] Ngaleso sikhathi uMikayeli uyakuvela, isikhulu esigqamileyo esimela abantwana babantu bakho; kuyakuba yisikhathi sokuhlupheka esingazange sibe khona kusukela ekuveleni kwabantu kuze kube yileso sikhathi; ngaleso sikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunyanwa belotshiwe encwadini.

[2] Abaningi abalele emhlabathini wothuli bayakuvuka, abanye bavukele ukuphila okuphakade, abanye ihlazo nokunengwa okuphakade.

[3] Abahlakaniphileyo bayakukhanya njengokukhazimula kwesibhakabhaka, nabaphendulela abaningi ekulungeni njengezinkanyezi kuze kube phakade naphakade.

[4] Kepha wena Daniyeli, gcina amazwi, unamathelise incwadi kuze kube sesikhathini sokugcina; abaningi

bayakwehla benyuka, ukwazi kube kuningi.

[5] Então, eu, Daniel, olhei, e eis que estavam em pé outros dois, um, de um lado do rio, o outro, do outro lado.

[5]Ngase ngibona mina Daniyeli; bheka, kwakumi abanye ababili, omunye ogwini lomfula nganeno, omunye ogwini lomfula ngaphesheya.

[6] Um deles disse ao homem vestido de linho, que estava sobre as águas do rio: Quando se cumprirão estas maravilhas?

[6]Omunye wathi kumuntu owembethe ilineni, owayephezu kwamanzi omfula: Kuyakuba nini ukuphela kwalezi zimangaliso na?

[7] Ouvi o homem vestido de linho, que estava sobre as águas do rio, quando levantou a mão direita e a esquerda ao céu e jurou, por aquele que vive eternamente, que isso seria depois de um tempo, dois tempos e metade de um tempo. E, quando se acabar a destruição do poder do povo santo, estas coisas todas se cumprirão.

[7] Ngezwa umuntu owembethe ilineni, owayephezu kwamanzi omfula; waphakamisela isandla sakhe sokunene nesandla sakhe sokhohlo ezulwini, wamfunga ophila kuze kube phakade ukuthi kuyakuba ngokwesikhathi, nezikhathi, nenxenye, nalapho sebeqedile ukuphohloza amandla abantu abangcwele, zonke lezo zinto ziyakuqedwa.

[8] Eu ouvi, porém não entendi; então, eu disse: meu senhor, qual será o fim destas coisas?

[8]Ngakuzwa, kepha angiqondanga; bese ngithi: Nkosi yami, ukuphela kwalokho kuyakuba yini na?

[9] Ele respondeu: Vai, Daniel, porque estas palavras estão encerradas e seladas até ao tempo do fim.

[9]Wathi: Hamba, Daniyeli, ngokuba amazwi avalelwe, anamathelisiwe kuze kube sesikhathini sokugcina.

[10] Muitos serão purificados, embranquecidos e provados; mas os perversos procederão perversamente, e nenhum deles entenderá, mas os sábios entenderão.

[10] Abaningi bayakuzihlanza, bazenze mhlophe, bacwengisiswe, kepha ababi bayakwenza kabi, kodwa akayikuqonda noyedwa omubi; nokho abahlakaniphileyo bayakuqonda.

[11] Depois do tempo em que o sacrifício diário for tirado, e posta a abominação desoladora, haverá ainda mil duzentos e noventa dias.

[11] Kusukela esikhathini sokususwa komnikelo oshiswa imihla yonke nokumiswa kwesinengiso esichithayo kuyakuba yizinsuku eziyinkulungwane

namakhulu amabili namashumi ayisishiyagalolunye.

12 Bem-aventurado o que espera e chega até mil trezentos e trinta e cinco dias.

12 Ubusisiwe olindayo afinyelele ezinsukwini eziyinkulungwane namakhulu amathathu namashumi amathathu nanhlanu.

13 Tu, porém, segue o teu caminho até ao fim; pois descansarás e, ao fim dos dias, te levantarás para receber a tua herança.

13 Kepha hamba wena kuze kube sekupheleni; usuphumulile uyakuma esabelweni sakho ngasekupheleni kwezinsuku.

Oseias	UHoseya

Oseias 1

O casamento de Oseias, símbolo da infidelidade de Israel

[1] Palavra do SENHOR, que foi dirigida a Oseias, filho de Beeri, nos dias de Uzias, Jotão, Acaz e Ezequias, reis de Judá, e nos dias de Jeroboão, filho de Joás, rei de Israel.

[2] Quando, pela primeira vez, falou o SENHOR por intermédio de Oseias, então, o SENHOR lhe disse: Vai, toma uma mulher de prostituições e terás filhos de prostituição, porque a terra se prostituiu, desviando-se do SENHOR.

[3] Foi-se, pois, e tomou a Gômer, filha de Diblaim, e ela concebeu e lhe deu um filho.

[4] Disse-lhe o SENHOR: Põe-lhe o nome de Jezreel, porque, daqui a pouco, castigarei, pelo sangue de Jezreel, a casa de Jeú e farei cessar o reino da casa de Israel.

[5] Naquele dia, quebrarei o arco de Israel no vale de Jezreel.

[6] Tornou ela a conceber e deu à luz uma filha. Disse o SENHOR a Oseias: Põe-lhe o nome de Desfavorecida, porque eu não mais tornarei a favorecer a casa de Israel, para lhe perdoar.

[7] Porém da casa de Judá me compadecerei e os salvarei pelo SENHOR, seu Deus, pois não os salvarei pelo arco, nem pela

UHoseya 1

Umuzi kaHoseya ongumfanekiso wabantu bakwa-Israyeli

[1]Izwi likaJehova elafika kuHoseya indodana kaBeri ezinsukwini zawo-Uziya, noJothamu, no-Ahazi, noHezekiya, amakhosi akwaJuda, nasezinsukwini zikaJerobowamu indodana kaJowashi, inkosi yakwa-Israyeli.

[2] Lapho uJehova eqala ukukhuluma ngoHoseya, uJehova wathi kuHoseya: Hamba uzithathele umfazi ophingayo nabantwana bophingayo, ngokuba izwe liyaphinga nokuphinga ngokungamlandeli uJehova.

[3]Wayesehamba, wathatha uGomere indodakazi kaDibilayimi; wakhulelwa, wamzalela indodana.

[4] UJehova wathi kuye: Qamba igama layo ngokuthi uJizreyeli, ngokuba kusezakuba yisikhashana ngize ngiphindisele igazi likaJizreyeli phezu kwendlu kaJehu, ngiqede umbuso wendlu ka-Israyeli.

[5]Kuyakuthi ngalolo suku ngaphule umnsalo ka-Israyeli esigodini saseJizreyeli.

[6]Wabuye wakhulelwa, wazala indodakazi. Wayesethi uJehova kuye: Qamba igama layo ngokuthi uLo Ruhama, ngokuba angisayikuyihawukela indlu yakwa-Israyeli ukuba ngibathethelele.

[7]Kepha indlu yakwaJuda ngiyakuyihawukela, ngibasindise ngoJehova uNkulunkulu wabo,

espada, nem pela guerra, nem pelos cavalos, nem pelos cavaleiros.

ngingabasindisi ngomnsalo, nangenkemba, nangokulwa, nangamahhashi, nangabamahhashi.

[8] Depois de haver desmamado a Desfavorecida, concebeu e deu à luz um filho.

[8]Esemlumulile uLo Ruhama, wakhulelwa, wazala indodana.

[9] Disse o SENHOR a Oseias: Põe-lhe o nome de Não-Meu-Povo, porque vós não sois meu povo, nem eu serei vosso Deus.

[9]Wayesethi uJehova: Qamba igama layo ngokuthi uLo-Ami, ngokuba anisibo abantu bami, mina angiyikuba nguNkulunkulu wenu.

[10] Todavia, o número dos filhos de Israel será como a areia do mar, que se não pode medir, nem contar; e acontecerá que, no lugar onde se lhes dizia: Vós não sois meu povo, se lhes dirá: Vós sois filhos do Deus vivo.

[10] Nokho umumo wabantwana bakwa-Israyeli uyakuba ngangesihlabathi solwandle esingenakulinganiswa, singenakubalwa; kuyakuthi esikhundleni sokuba kuthiwe kubo: Anisibo abantu bami, kuthiwe kubo: Ningamadodana kaNkulunkulu ophilayo.

[11] Os filhos de Judá e os filhos de Israel se congregarão, e constituirão sobre si uma só cabeça, e subirão da terra, porque grande será o dia de Jezreel.

[11] Abantwana bakwaJuda nabantwana bakwa-Israyeli bayakubuthana ndawonye, bazimisele inhloko ibe nye, bakhuphuke ezweni, ngokuba luyakuba lukhulu usuku lukaJizreyeli.

Oseias 2

UHoseya 2

Umfazi ongathembekile

[1] Chamai a vosso irmão Meu-Povo e a vossa irmã, Favor.

[1] Bese nibiza abafowenu ngokuthi u-Ami, nawodadewenu ngokuthi uRuhama.

A infidelidade do povo e a fidelidade de Deus

[2] Repreendei vossa mãe, repreendei-a, porque ela não é minha mulher, e eu não sou seu marido, para que ela afaste as suas prostituições de sua presença e os seus adultérios de entre os seus seios;

[2] Phikisanani nonyoko, niphikisane, ngokuba akasiye umkami, nami angisiyo indoda yakhe; makasuse ubufebe bakhe ebusweni bakhe, nokuphinga kwakhe phakathi kwamabele akhe,

[3] para que eu não a deixe despida, e a ponha como no dia em que nasceu, e a

[3] funa ngimhlubule abe nqunu, ngimenze njengasosukwini lokuzalwa kwakhe, ngimenze ihlane, ngimbeke abe

torne semelhante a um deserto, e a faça como terra seca, e a mate à sede,

4 e não me compadeça de seus filhos, porque são filhos de prostituições.

5 Pois sua mãe se prostituiu; aquela que os concebeu houve-se torpemente, porque diz: Irei atrás de meus amantes, que me dão o meu pão e a minha água, a minha lã e o meu linho, o meu óleo e as minhas bebidas.

6 Portanto, eis que cercarei o seu caminho com espinhos; e levantarei um muro contra ela, para que ela não ache as suas veredas.

7 Ela irá em seguimento de seus amantes, porém não os alcançará; buscá-los-á, sem, contudo, os achar; então, dirá: Irei e tornarei para o meu primeiro marido, porque melhor me ia então do que agora.

8 Ela, pois, não soube que eu é que lhe dei o trigo, e o vinho, e o óleo, e lhe multipliquei a prata e o ouro, que eles usaram para Baal.

9 Portanto, tornar-me-ei, e reterei, a seu tempo, o meu trigo e o meu vinho, e arrebatarei a minha lã e o meu linho, que lhe deviam cobrir a nudez.

10 Agora, descobrirei as suas vergonhas aos olhos dos seus amantes, e ninguém a livrará da minha mão.

11 Farei cessar todo o seu gozo, as suas Festas de Lua Nova, os seus sábados e todas as suas solenidades.

njengezwe elomileyo, ngimbulale ngokoma.

4Angiyikuhawukela abantwana bakhe, ngokuba bangabantwana bobufebe.

5 Ngokuba unina ufebile, ngokuba wathi: Ngiyakulandela izithandwa zami ezinginika isinkwa sami namanzi ami, uboya bami bezimvu nefilakisi lami, amafutha ami nokuphuza kwami.

6Ngalokho bhekani, ngiyakuvimbela indlela yakho ngameva, ngakhe ugange ngakuye, ukuze angafumani imikhondo yakhe.

7Uyakulandela izithandwa zakhe, kepha akayikuzifica; uyakuzifuna, kepha akayikuzifumana; abesethi: Ngiyakuhamba ngibuyele endodeni yami yokuqala, ngokuba kwakukuhle kimi lapho kunamanje.

8Kepha akazanga ukuthi yimina engamnika amabele, newayini elisha, namafutha, ngamandisela isiliva negolide abenza ngakho uBali.

9 Ngalokho ngiyakubuye ngithabathe amabele ami ngesikhathi sawo, newayini lami elisha ngenkathi yalo, ngisuse uboya bami bezimvu nefilakisi lami lokusibekela ubunqunu bakhe.

10Sengiyakwambula ihlazo lakhe emehlweni ezithandwa zakhe; akuyikubakho omophula esandleni sami.

11Ngiyakwenza ukuba iphele yonke intokozo yakhe, imikhosi yakhe, nokwethwasa kwenyanga, namasabatha

akhe, nayo yonke imikhosi yakhe emisiweyo.

[12] Devastarei a sua vide e a sua figueira, de que ela diz: Esta é a paga que me deram os meus amantes; eu, pois, farei delas um bosque, e as bestas-feras do campo as devorarão.

[12] Ngiyakuchitha imivini yakhe nemikhiwane yakhe ashilo ngakho, wathi: Kuyinkokhelo yami ezinginikile yona izithandwa zami; ngiyakukwenza kube yihlathi, izilwane zasendle zikudle.

[13] Castigá-la-ei pelos dias dos baalins, nos quais lhes queimou incenso, e se adornou com as suas arrecadas e com as suas jóias, e andou atrás de seus amantes, mas de mim se esqueceu, diz o SENHOR.

[13] Ngiyakumhambela ngenxa yezinsuku zawoBali owabashisela ngazo impepho, wahloba ngamacici akhe nangezinto zakhe ezinhle, wazilandela izithandwa zakhe, wangikhohlwa, usho uJehova.

[14] Portanto, eis que eu a atrairei, e a levarei para o deserto, e lhe falarei ao coração.

[14] Ngalokho bhekani, ngiyakumyenga, ngimyise ehlane, ngimqunge isibindi.

[15] E lhe darei, dali, as suas vinhas e o vale de Acor por porta de esperança; será ela obsequiosa como nos dias da sua mocidade e como no dia em que subiu da terra do Egito.

[15] Lapho ngiyakumnika izivini zakhe, nesigodi sase-Akori sibe ngumnyango wethemba; uyakuphendula lapho njengasezinsukwini zobusha bakhe nasosukwini lokukhuphuka kwakhe ezweni laseGibithe.

[16] Naquele dia, diz o SENHOR, ela me chamará: Meu marido e já não me chamará: Meu Baal.

[16] Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova, ungibize ngokuthi: YiNdoda yami, ungasangibizi ngokuthi: NguBali wami.

[17] Da sua boca tirarei os nomes dos baalins, e não mais se lembrará desses nomes.

[17] Ngiyakususa amagama awoBali emlonyeni wakhe, bangabe besakhunjulwa ngamagama abo.

[18] Naquele dia, farei a favor dela aliança com as bestas-feras do campo, e com as aves do céu, e com os répteis da terra; e tirarei desta o arco, e a espada, e a guerra e farei o meu povo repousar em segurança.

[18] Ngalolo suku ngiyakubenzela isivumelwano nezilwane zasendle, nezinyoni zezulu nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni, ngaphule umnsalo nenkemba nokulwa ukuba kusuke ezweni, ngibalalise belondekile.

[19] Desposar-te-ei comigo para sempre; desposar-te-ei comigo em justiça, e em

[19]Ngiyakuzimisela wena ube ngumkami kuze kube phakade, ngizimisele wena

juízo, e em benignidade, e em misericórdias;

[20] desposar-te-ei comigo em fidelidade, e conhecerás ao SENHOR.

[21] Naquele dia, eu serei obsequioso, diz o SENHOR, obsequioso aos céus, e estes, à terra;

[22] a terra, obsequiosa ao trigo, e ao vinho, e ao óleo; e estes, a Jezreel.

[23] Semearei Israel para mim na terra e compadecer-me-ei da Desfavorecida; e a Não-Meu-Povo direi: Tu és o meu povo! Ele dirá: Tu és o meu Deus!

Oseias 3

A longanimidade de Deus

[1] Disse-me o SENHOR: Vai outra vez, ama uma mulher, amada de seu amigo e adúltera, como o SENHOR ama os filhos de Israel, embora eles olhem para outros deuses e amem bolos de passas.

[2] Comprei-a, pois, para mim por quinze peças de prata e um ômer e meio de cevada;

[3] e lhe disse: tu esperarás por mim muitos dias; não te prostituirás, nem serás de outro homem; assim também eu esperarei por ti.

[4] Porque os filhos de Israel ficarão por muitos dias sem rei, sem príncipe, sem

ngokulunga, nangokwahlulela, nangomusa, nangobubele.

[20] Ngiyakuzimisela wena ngokuthembeka ube ngumkami; uyakumazi uJehova.

[21] Kuyakuthi ngalolo suku ngiphendule, usho uJehova, ngiphendule amazulu, wona aphendule umhlaba.

[22]Umhlaba uyakuphendula amabele, newayini elisha, namafutha, khona kuphendule uJizreyeli.

[23] Ngiyakuzitshalela yena ezweni, ngihawukele ongahawukelwanga, ngithi kwababengesibo abantu bami: Ningabantu bami, bona bathi: UnguNkulunkulu wethu.

UHoseya 3

[1]UJehova wathi kimi: Hamba futhi, umthande owesifazane othandwa ngumngane wakhe, eyisiphingikazi, njengalokhu uJehova ethanda abantwana bakwa-Israyeli, noma bephendukela kwabanye onkulunkulu, bethanda izigaxa zezithelo zomvini ezomileyo.

[2]Ngase ngizithengela yena ngezinhlamvu eziyishumi nanhlanu zesiliva, nangehomere lebhali, nangenxenye yehomere lebhali,

[3]ngathi kuye: Uyakuhlala kimi izinsuku eziningi, ungafebi, ungabi ngowomunye, nami ngibe njalo kuwe.

[4]Ngokuba izinsuku eziningi abantwana bakwa-Israyeli bayakuhlala bengenankosi, bengenasikhulu,

sacrifício, sem coluna, sem estola sacerdotal ou ídolos do lar.

5 Depois, tornarão os filhos de Israel, e buscarão ao SENHOR, seu Deus, e a Davi, seu rei; e, nos últimos dias, tremendo, se aproximarão do SENHOR e da sua bondade.

Oseias 4

Corrupção geral de Israel

1 Ouvi a palavra do SENHOR, vós, filhos de Israel, porque o SENHOR tem uma contenda com os habitantes da terra, porque nela não há verdade, nem amor, nem conhecimento de Deus.

2 O que só prevalece é perjurar, mentir, matar, furtar e adulterar, e há arrombamentos e homicídios sobre homicídios.

3 Por isso, a terra está de luto, e todo o que mora nela desfalece, com os animais do campo e com as aves do céu; e até os peixes do mar perecem.

4 Todavia, ninguém contenda, ninguém repreenda; porque o teu povo é como os sacerdotes aos quais acusa.

5 Por isso, tropeçarás de dia, e o profeta contigo tropeçará de noite; e destruirei a tua mãe.

6 O meu povo está sendo destruído, porque lhe falta o conhecimento. Porque tu, sacerdote, rejeitaste o conhecimento, também eu te rejeitarei, para que não sejas sacerdote diante de mim; visto que te esqueceste da lei do teu Deus, também eu me esquecerei de teus filhos.

bengenamhlatshelo, bengenansika, bengenangubo yamahlombe namatherafi.

5 Ngasemuva abantwana bakwa-Israyeli bayakubuya, bamfune uJehova uNkulunkulu wabo noDavide inkosi yabo, babuyele kuJehova benovalo nakukho okuhle kwakhe ngezinsuku ezizayo.

UHoseya 4

Ukusolwa kwabantu bakwa-Israyeli

1Yizwani izwi likaJehova nina bantwana bakwa-Israyeli, ngokuba uJehova unokuphikisana nabakhileyo ezweni, lokhu kungekho qiniso, namusa, nakumazi uNkulunkulu ezweni.

2 Kukhona ukufunga nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokuphinga; bayafohla, izingazi zilandele izingazi.

3 Ngalokho izwe liyakudabuka, bonke abakhe kulo badangale kanye nezilwane zasendle nezinyoni zezulu; yebo, nezinhlanzi zolwandle ziyakususwa.

4 Makungabikho ophikisana nomunye, asole omunye; nokho abantu bakho bayakuphikisana nabapristi.

5Mpristi, uyakukhubeka emini, kukhubeke umprofethi kanye nawe ebusuku; nonyoko ngiyakumbhubhisa.

6 Abantu bami babhujiswa ngokuswela ukwazi; ngokuba ukulahlile ukwazi nami ngiyakukulahla wena, ungabi ngumpristi wami; lokhu ukhohliwe umthetho kaNkulunkulu wakho nami ngiyakukhohlwa abantwana bakho.

[7] Quanto mais estes se multiplicaram, tanto mais contra mim pecaram; eu mudarei a sua honra em vergonha.
[8] Alimentam-se do pecado do meu povo e da maldade dele têm desejo ardente.
[9] Por isso, como é o povo, assim é o sacerdote; castigá-lo-ei pelo seu procedimento e lhe darei o pago das suas obras.
[10] Comerão, mas não se fartarão; entregar-se-ão à sensualidade, mas não se multiplicarão, porque ao SENHOR deixaram de adorar.
[11] A sensualidade, o vinho e o mosto tiram o entendimento.
[12] O meu povo consulta o seu pedaço de madeira, e a sua vara lhe dá resposta; porque um espírito de prostituição os enganou, eles, prostituindo-se, abandonaram o seu Deus.
[13] Sacrificam sobre o cimo dos montes e queimam incenso sobre os outeiros, debaixo do carvalho, dos choupos e dos terebintos, porque é boa a sua sombra; por isso, vossas filhas se prostituem, e as vossas noras adulteram.
[14] Não castigarei vossas filhas, que se prostituem, nem vossas noras, quando adulteram, porque os homens mesmos se retiram com as meretrizes e com as prostitutas cultuais sacrificam, pois o povo que não tem entendimento corre para a sua perdição.
[15] Ainda que tu, ó Israel, queres prostituir-te, contudo, não se faça culpado Judá;

[7]Njengokwanda kwabo, kanjalo bona kimi; udumo lwabo ngiyakulwenana ngehlazo.
[8]Badla izono zabantu bami, babhekisa umphefumulo wabo ebubini babo.
[9] Kuyakuthi njengabantu abe njalo umpristi: ngiyakubahambela ngenxa yezindlela zabo, ngibuyisele kubo izenzo zabo.
[10] Bayakudla, bangasuthi kodwa; bayakufeba, bangandi kodwa, ngokuba bayekile ukumnakekela uJehova.
[11] Ubufebe newayini newayini elisha kususa umqondo.
[12] Abantu bami babuza emthini, induku yabo ibatshele, ngokuba umoya wobufebe ubadukisile, basuka phansi kukaNkulunkulu wabo ngokufeba.
[13] Bayahlabela eziqongweni zezintaba, bashisa impepho emagqumeni, phansi kwama-oki nemipopula nemitherebinte, ngokuba umthunzi wakho muhle; kungalokho amadodakazi enu ayafeba, nawomakoti benu bayaphinga.
[14] Angiyikuwajezisa amadodakazi enu, lapho efeba, nawomakoti benu lapho bephinga, ngokuba namadoda achezukela iziphingi, ahlaba kanye nezifebe zethempeli. Kanjalo abantu abangenangqondo bayakuwiswa.
[15] Noma wena Israyeli ufeba, uJuda makangazitholeli icala; ningayi eGiligali,

nem venhais a Gilgal e não subais a Bete-Áven, nem jureis, dizendo: Vive o SENHOR.

[16] Como vaca rebelde, se rebelou Israel; será que o SENHOR o apascenta como a um cordeiro em vasta campina?

[17] Efraim está entregue aos ídolos; é deixá-lo.

[18] Tendo acabado de beber, eles se entregam à prostituição; os seus príncipes amam apaixonadamente a desonra.

[19] O vento os envolveu nas suas asas; e envergonhar-se-ão por causa dos seus sacrifícios.

Oseias 5

Repreensão contra sacerdotes e príncipes

[1] Ouvi isto, ó sacerdotes; escutai, ó casa de Israel; e dai ouvidos, ó casa do rei, porque este juízo é contra vós outros, visto que fostes um laço em Mispa e rede estendida sobre o Tabor.

[2] Na prática de excessos, vos aprofundastes; mas eu castigarei a todos eles.

[3] Conheço a Efraim, e Israel não me está oculto; porque, agora, te tens prostituído, ó Efraim, e Israel está contaminado.

[4] O seu proceder não lhes permite voltar para o seu Deus, porque um espírito de prostituição está no meio deles, e não conhecem ao SENHOR.

[5] A soberba de Israel, abertamente, o acusa; Israel e Efraim cairão por causa da sua iniqüidade, e Judá cairá juntamente com eles.

ningenyukeli eBeti Aveni, ningafungi ngokuthi: Kuphila kukaJehova.

[16]Ngokuba u-Israyeli unenkani njengesithole; uJehova angabelusa njengemvana endaweni ebanzi na?

[17]U-Efrayimi uhlangene nezithombe; myeke.

[18]Ukuphuza kwabo sekuphelile; bayafeba nokufeba; izikhulu zabo zithandisisa ihlazo.

[19]Umoya ubasongile ngamaphiko awo; bayakujabha ngemihlatshelo yabo.

UHoseya 5

Ukukhohlisa kuka-Israyeli

[1] Yizwani lokhu nina bapristi, nilalele nina ndlu ka-Israyeli, nibeke indlebe nina ndlu yenkosi, ngokuba ukwahlulela kukinina, lokhu nanilugibe eMispa nenetha elenekwe eThabori.

[2]Abahlubuki bashone phansi ngokuhlaba kwabo, kepha ngingumlayi wabo bonke.

[3]Ngiyamazi mina u-Efrayimi, u-Israyeli akafihlekile kimi, ngokuba manje, Efrayimi, ufebile, u-Israyeli uzingcolisile.

[4] Abenzi izenzo zokuba babuyele kuNkulunkulu, ngokuba umoya wobufebe uphakathi kwabo, noJehova abamazi.

[5] Ukuzidla kuka-Israyeli kuyafakaza ebusweni bakhe; o-Israyeli no-Efrayimi bayakukhubeka ngobubi babo; naye uJuda uyakukhubeka kanye nabo.

[6] Estes irão com os seus rebanhos e o seu gado à procura do SENHOR, porém não o acharão; ele se retirou deles.

[7] Aleivosamente se houveram contra o SENHOR, porque geraram filhos bastardos; agora, a Festa da Lua Nova os consumirá com as suas porções.

[8] Tocai a trombeta em Gibeá e em Ramá tocai a rebate! Levantai gritos em Bete-Áven! Cuidado, Benjamim!

[9] Efraim tornar-se-á assolação no dia do castigo; entre as tribos de Israel, tornei conhecido o que se cumprirá.

[10] Os príncipes de Judá são como os que mudam os marcos; derramarei, pois, o meu furor sobre eles como água.

[11] Efraim está oprimido e quebrantado pelo castigo, porque foi do seu agrado andar após a vaidade.

[12] Portanto, para Efraim serei como a traça e para a casa de Judá, como a podridão.

[13] Quando Efraim viu a sua enfermidade, e Judá, a sua chaga, subiu Efraim à Assíria e se dirigiu ao rei principal, que o acudisse; mas ele não poderá curá-los, nem sarar a sua chaga.

[14] Porque para Efraim serei como um leão e como um leãozinho, para a casa de Judá; eu, eu mesmo, os despedaçarei e ir-me-ei embora; arrebatá-los-ei, e não haverá quem os livre.

Conversão insincera

[15] Irei e voltarei para o meu lugar, até que se reconheçam culpados e busquem a minha face; estando eles angustiados, cedo me buscarão, dizendo:

[6]Bayakuhamba nezimvu zabo nezinkomo zabo ukuyofuna uJehova; kepha abayikumfumana; umonyukile kubo.

[7] Bamkhohlisile uJehova, ngokuba bazalile abantwana abangabafokazi; manje inyanga eyethwasayo iyakubadla kanye nezabelo zabo.

[8] Bethani umtshingo eGibeya necilongo eRama; hlabani umkhosi eBeti Aveni: basemva kwakho, Benjamini!

[9]U-Efrayimi uyakuba yincithakalo ngosuku lokujeziswa, ngazisile izizwe zakwa-Israyeli okuqinisekileyo.

[10] Izikhulu zakwaJuda zinjengabasusa imincele; ngiyakuthulula phezu kwazo intukuthelo yami njengamanzi.

[11]U-Efrayimi ucindezelekile, uchotshoziwe ekwahlulelweni, ngokuba wavuma ukulandela umyalo oyize.

[12]Mina-ke senginjengenundu ku-Efrayimi, nanjengokubola kuyo indlu yakwaJuda.

[13] Lapho u-Efrayimi abona isifo sakhe noJuda isilonda sakhe, u-Efrayimi waya e-Asiriya, wathumela enkosini uJarebi; kepha ingeniphulukise, ayinakusipholisa isilonda senu.

[14] Ngokuba ngiyakuba njengengonyama ku-Efrayimi, nebhongo lengonyama kuyo indlu yakwaJuda; mina yebo, mina ngiyakudwengula, besengimuka; ngiyakususa, kungekho owophulayo.

[15]Ngiyakuhamba, ngibuyele endaweni yami, baze bazithwese icala labo, bafune ubuso bami; osizini lwabo bayakungifunisisa.

Oseias 6

[1] Vinde, e tornemos para o SENHOR, porque ele nos despedaçou e nos sarará; fez a ferida e a ligará.

[2] Depois de dois dias, nos revigorará; ao terceiro dia, nos levantará, e viveremos diante dele.

[3] Conheçamos e prossigamos em conhecer ao SENHOR; como a alva, a sua vinda é certa; e ele descerá sobre nós como a chuva, como chuva serôdia que rega a terra.

[4] Que te farei, ó Efraim? Que te farei, ó Judá? Porque o vosso amor é como a nuvem da manhã e como o orvalho da madrugada, que cedo passa.

[5] Por isso, os abati por meio dos profetas; pela palavra da minha boca, os matei; e os meus juízos sairão como a luz.

[6] Pois misericórdia quero, e não sacrifício, e o conhecimento de Deus, mais do que holocaustos.

[7] Mas eles transgrediram a aliança, como Adão; eles se portaram aleivosamente contra mim.

[8] Gileade é a cidade dos que praticam a injustiça, manchada de sangue.

[9] Como hordas de salteadores que espreitam alguém, assim é a companhia dos sacerdotes, pois matam no caminho para Siquém; praticam abominações.

UHoseya 6

Abakwa-Israyeli bayabizwa ukuba baphenduke

[1] Wozani sibuyele kuJehova, ngokuba yena usidwengulile; uyakusiphulukisa; usishayile, uyakusibopha.

[2]Uyakusiphilisa ngezinsuku ezimbili, asivuse ngosuku lwesithathu, siphile phambi kwakhe.

[3]Masimazi, sijonge ukumazi uJehova; ukuphuma kwakhe kuqinisekile njengokusa; uyakufika kithi njengemvula, njengemvula yamuva enethisa umhlaba.

[4] Ngiyakwenzani kuwe Efrayimi, ngiyakwenzani kuwe Juda, na? Uthando lwenu lunjengefu lokusa nanjengamazolo amuka ekuseni.

[5]Ngalokho ngiyabashaya ngabaprofethi, ngibabulale ngamazwi omlomo wami, ukwahlulelwa kwakho kuqhame ekukhanyeni.

[6] Ngokuba ngifuna uthando, hhayi umhlatshelo; ngifuma ukumazi uNkulunkulu kuneminikelo yokushiswa.

[7]Kepha baseqile isivumelwano njengo-Adamu; bangikhohlisa ngalokho.

[8] IGileyadi lingumuzi wabenza okubi, linemikhondo yegazi.

[9]Njengabaphangi beqamekela umuntu, isigaba sabapristi siyabulala endleleni eya eShekemi, yebo, benza okunengekayo.

[10] Vejo uma coisa horrenda na casa de Israel: ali está a prostituição de Efraim; Israel está contaminado.

[11] Também tu, ó Judá, serás ceifado.

Oseias 7

Iniquidade dos reis e príncipes

[1] Quando me disponho a mudar a sorte do meu povo e a sarar a Israel, se descobre a iniqüidade de Efraim, como também a maldade de Samaria, porque praticam a falsidade; por dentro há ladrões, e por fora rouba a horda de salteadores.

[2] Não dizem no seu coração que eu me lembro de toda a sua maldade; agora, pois, os seus próprios feitos os cercam; acham-se diante da minha face.

[3] Com a sua malícia, alegram ao rei e com as suas mentiras, aos príncipes.

[4] Todos eles são adúlteros: semelhantes ao forno aceso pelo padeiro, que somente cessa de atiçar o fogo desde que sovou a massa até que seja levedada.

[5] No dia da festa do nosso rei, os príncipes se tornaram doentes com o excitamento do vinho, e ele deu a mão aos escarnecedores.

[6] Porque prepararam o coração como um forno, enquanto estão de espreita; toda a noite, dorme o seu furor, mas, pela manhã, arde como labaredas de fogo.

[7] Todos eles são quentes como um forno e consomem os seus juízes; todos os seus

[10] Endlini yakwa-Israyeli ngibonile into eyesabekayo: kukhona ubufebe kwa-Efrayimi, u-Israyeli ungcolile.

[11] Nawe Juda ulungiselwe ukuvunwa, lapho ngibuyisa ukuthunjwa kwabantu bami.

UHoseya 7

Ukungazisoli kuka-Israyeli

[1] Lapho bengiyakumphulukisa u-Israyeli, bambulelwa ububi buka-Efrayimi nokubi kweSamariya, ngokuba benza inkohliso, amasela ayafohla, nabaphangi baphanga ngaphandle.

[2]Abacabangi ezinhliziyweni zabo ukuthi ngiyakhumbula konke okubi kwabo; sebezungeziwe yizenzo zabo, ziphambi kobuso bami.

[3] Ngobubi babo bayathokozisa inkosi, nezikhulu ngamanga abo.

[4]Bayiziphingi bonke; banjengeziko elishiswa ngumphekisinkwa oyeka ukukhwezela kusukela ekuxovweni kwenhlama kuze kube sekubileni kwayo.

[5] Ngosuku lwenkosi yethu izikhulu zazigulisa ngokushisa kwewayini; yona yayiselulela izideleli isandla.

[6]Lapho sebeshisile izinhliziyo zabo ngamacebo zibe njengeziko, umphekisinkwa wabo ulala ubusuku bonke; ekuseni liyavutha njengomlilo wamalangabi.

[7]Bonke bashisa njengeziko, badla abahluleli babo; onke amakhosi abo

reis caem; ninguém há, entre eles, que me invoque.

[8] Efraim se mistura com os povos e é um pão que não foi virado.

[9] Estrangeiros lhe comem a força, e ele não o sabe; também as cãs já se espalham sobre ele, e ele não o sabe.

[10] A soberba de Israel, abertamente, o acusa; todavia, não voltam para o SENHOR, seu Deus, nem o buscam em tudo isto.

[11] Porque Efraim é como uma pomba enganada, sem entendimento; chamam o Egito e vão para a Assíria.

[12] Quando forem, sobre eles estenderei a minha rede e como aves do céu os farei descer; castigá-los-ei, segundo o que eles têm ouvido na sua congregação.

[13] Ai deles! Porque fugiram de mim; destruição sobre eles, porque se rebelaram contra mim! Eu os remiria, mas eles falam mentiras contra mim.

[14] Não clamam a mim de coração, mas dão uivos nas suas camas; para o trigo e para o vinho se ajuntam, mas contra mim se rebelam.

[15] Adestrei e fortaleci os seus braços; no entanto, maquinam contra mim.

[16] Eles voltam, mas não para o Altíssimo. Fizeram-se como um arco enganoso; caem à espada os seus príncipes, por causa da insolência da sua língua; este será o seu escárnio na terra do Egito.

Oseias 8

ayawa, kungekho phakathi kwabo ongibizayo.

[8] U-Efrayimi uyazihlanganisa nabanye abantu: u-Efrayimi uyiqebelengwane elingaphendulwanga.

[9]Abafokazi badlile amandla akhe, kepha yena akazi; izimvi zikhahlele kuye, kepha yena akazi.

[10] Ukuzidla kuka-Israyeli kuyafakaza ebusweni bakhe, nokho ababuyelanga kuJehova uNkulunkulu wabo, abamfunanga kukho konke lokhu.

[11] U-Efrayimi unjengejuba elidukiswayo lingenangqondo; bayabiza iGibithe, baya e-Asiriya.

[12]Lapho sebehamba, ngiyabenekela inetha lami, ngibehlise njengezinyoni zezulu, ngibajezise njengokuzwakeleyo ebandleni labo.

[13] Maye kubo, ngokuba bangibalekele! Makube ngukuchithwa kubo, ngokuba baphambukile kimi! Bengiyakubahlenga mina labo abakhulume amanga ngami na?

[14]Abakhalanga kimi ngezinhliziyo zabo, kepha bahhewula emibhedeni yabo; banovalo ngamabele abo nangewayini labo, kepha mina bayangihlubuka.

[15]Mina-ke ngafundisa, ngaqinisa izingalo zabo, nokho baceba okubi ngami.

[16] Bayabuyela, kepha hhayi kongaPhezulu, bafana nomnsalo ogejayo; izikhulu ziyakuwa ngenkemba ngenxa yolaka lolimi lwabo. Lokhu kuyakuba yinhlekiso yabo ezweni laseGibithe.

UHoseya 8

O castigo está próximo

[1] Emboca a trombeta! Ele vem como a águia contra a casa do SENHOR, porque transgrediram a minha aliança e se rebelaram contra a minha lei.

[2] A mim, me invocam: Nosso Deus! Nós, Israel, te conhecemos.

[3] Israel rejeitou o bem; o inimigo o perseguirá.

[4] Eles estabeleceram reis, mas não da minha parte; constituíram príncipes, mas eu não o soube; da sua prata e do seu ouro fizeram ídolos para si, para serem destruídos.

[5] O teu bezerro, ó Samaria, é rejeitado; a minha ira se acende contra eles; até quando serão eles incapazes da inocência?

[6] Porque vem de Israel, é obra de artífice, não é Deus; mas em pedaços será desfeito o bezerro de Samaria.

[7] Porque semeiam ventos e segarão tormentas; não haverá seara; a erva não dará farinha; e, se a der, comê-la-ão os estrangeiros.

[8] Israel foi devorado; agora, está entre as nações como coisa de que ninguém se agrada,

[9] porque subiram à Assíria; o jumento montês anda solitário, mas Efraim mercou amores.

[10] Todavia, ainda que eles merquem socorros entre as nações, eu os congregarei; já começaram a ser diminuídos por causa da opressão do rei e dos príncipes.

Ukuhlwanyela umoya nokuvuna isivunguvungu

[1] Beka icilongo emlonyeni wakho; onjengokhozi wehlela indlu kaJehova; ngokuba beqile isivumelwano sami, baphambuka emthethweni wami.

[2]Bakhala kimi ngokuthi: Nkulunkulu wethu, thina Israyeli siyakwazi.

[3]U-Israyeli ukulahlile okuhle; isitha siyakumxosha.

[4] Bona bazibekela amakhosi engavelanga kimi; bamisa izikhulu, ngingazi; isiliva labo negolide labo bakwenza kwaba yizithombe zabo, ukuze banqunywe.

[5] Ithole lakho, Samariya, linengekile; intukuthelo yami iyabavuthela; koze kube nini bengakwazi ukuba msulwa na?

[6] Ngokuba livela ku-Israyeli; umkhandi walenza, alisiye uNkulunkulu; yebo, ithole laseSamariya liyakuba yizihlephu.

[7] Ngokuba bahlwanyele umoya, bayakuvuna isivunguvungu; izele alinahlumela, alivezi impuphu; uma liyiveza, iyakuqedwa ngabafokazi.

[8]U-Israyeli uyagwinywa; manje sebephakathi kwabezizwe njengesitsha okungekho intokozo kuso.

[9] Ngokuba benyukele e-Asiriya bezihambele njengezimbongolo zasendle; u-Efrayimi uyaqasha ngenkokhelo yothando.

[10]Noma beqasha phakathi kwabezizwe, manje sengiyakubabutha, bakhululwe kancane emthwalweni wenkosi yezikhulu.

[11] Porquanto Efraim multiplicou altares para pecar, estes lhe foram para pecar.

[12] Embora eu lhe escreva a minha lei em dez mil preceitos, estes seriam tidos como coisa estranha.

[13] Amam o sacrifício; por isso, sacrificam, pois gostam de carne e a comem, mas o SENHOR não os aceita; agora, se lembrará da sua iniqüidade e lhes castigará o pecado; eles voltarão para o Egito.

[14] Porque Israel se esqueceu do seu Criador e edificou palácios, e Judá multiplicou cidades fortes; mas eu enviarei fogo contra as suas cidades, fogo que consumirá os seus palácios.

[11] Ngokuba u-Efrayimi wandisile ama-altare aba ngukona; ama-altare ayakuba ngukona kuye.

[12]Noma ngimlobela imithetho yami kaningi, iyashaywa okungaziwayo.

[13] Imihlatshelo yeminikelo yami bayihlaba, bayidle inyama, kepha uJehova akayenameli. Useyakhumbula ububi babo, abahambele ngezono zabo, babuyele eGibithe.

[14]Ngokuba u-Israyeli ukhohliwe uMdali wakhe, wakha izindlu zamakhosi, noJuda wandisile imizi ebiyelweyo, ngiyakuthuma umlilo emizini yakhe, uqede izindlu zayo zobukhosi.

Oseias 9

Israel já antes castigado

[1] Não te alegres, ó Israel, não exultes, como os povos; porque, com prostituir-te, abandonaste o teu Deus, amaste a paga de prostituição em todas as eiras de cereais.

[2] A eira e o lagar não os manterão; e o vinho novo lhes faltará.

[3] Na terra do SENHOR, não permanecerão; mas Efraim tornará ao Egito e na Assíria comerá coisa imunda.

[4] Não derramarão libações de vinho ao SENHOR, nem os seus sacrifícios lhe serão agradáveis; seu pão será como pão de pranteadores, todos os que dele comerem serão imundos; porque o seu pão será

UHoseya 9

Isiprofetho ngokuthunjwa

[1]Ungajabuli, Israyeli, kube ngukuthokoza njengokwabezizwe, ngokuba umukile kuNkulunkulu wakho ngokufeba, wathanda inkokhelo kuzo zonke izibuya zamabele.

[2] Isibuya nesikhamo sewayini akuyikubafunza, iwayini elisha liyakumkhohlisa.

[3] Abayikuhlala ezweni likaJehova; u-Efrayimi uyakubuyela eGibithe, nase-Asiriya bayakudla okungcolileyo.

[4] Abayikuthululela uJehova iwayini; imihlatshelo yabo ayiyikuba mihle kuye, isinkwa sabo sibe njengesinkwa sabalilayo; bonke abasidlayo bayakungcola, ngokuba isinkwa sabo

exclusivamente para eles e não entrará na Casa do SENHOR.

[5] Que fareis vós no dia da solenidade e no dia da festa do SENHOR?

[6] Porque eis que eles se foram por causa da destruição, mas o Egito os ceifará, Mênfis os sepultará; as preciosidades da sua prata, as urtigas as possuirão; espinhos crescerão nas suas moradas.

[7] Chegaram os dias do castigo, chegaram os dias da retribuição; Israel o saberá; o seu profeta é um insensato, o homem de espírito é um louco, por causa da abundância da tua iniqüidade, ó Israel, e o muito do teu ódio.

[8] O profeta é sentinela contra Efraim, ao lado de meu Deus, laço do passarinheiro em todos os seus caminhos e inimizade na casa do seu Deus.

[9] Mui profundamente se corromperam, como nos dias de Gibeá. O SENHOR se lembrará das suas injustiças e castigará os pecados deles.

[10] Achei a Israel como uvas no deserto, vi a vossos pais como as primícias da figueira nova; mas eles foram para Baal-Peor, e se consagraram à vergonhosa idolatria, e se tornaram abomináveis como aquilo que amaram.

[11] Quanto a Efraim, a sua glória voará como ave; não haverá nascimento, nem gravidez, nem concepção.

siyakuba ngesephango, singangeni endlini kaJehova.

[5]Niyakwenze njani ngosuku lomhlangano nangosuku lomkhosi kaJehova na?

[6] Bhekani, ngokuba bemukile ekuchithweni iGibithe liyakubabutha, iMofi libembele; izinto zabo zamagugu zesiliva ziyakudliwa yizimbabazane, kube ngameva ematendeni abo.

[7] Ziyafika izinsuku zokuhanjelwa, izinsuku zempindiselo zisondele; u-Israyeli uyakukwazi. Umprofethi uyakuba njengesiwula, umuntu onomoya ahlanye ngenxa yobuningi bobubi bakho nangobutha obukhulu;

[8] umprofethi engumlindi ka-Efrayimi kanye noNkulunkulu wami, ugibe lomthiyi wezinyoni lukuzo zonke izindlela zakhe, nobutha busendlini kaNkulunkulu wakhe.

[9] Bazonakalisile ngokujulileyo njengasezinsukwini zaseGibeya; uyakhumbula ububi babo, uyabahambela ngezono zabo.

[10] Ngamfumana u-Israyeli njengezithelo zomvini ehlane, ngabona oyihlo njengolibo emkhiwaneni ngesikhathi sawo sokuqala. Kepha bafika eBali Peyori, bazahlukanisela okunezinhloni, baba yizinengiso njengalokho abakuthandayo.

[11]Udumo luka-Efrayimi luyakundiza, lumuke njengenyoni, kungabikho ukuzala, nonesisu, nokukhulelwa.

[12] Ainda que venham a criar seus filhos, eu os privarei deles, para que não fique nenhum homem. Ai deles, quando deles me apartar!

[13] Efraim, como planejei, seria como Tiro, plantado num lugar aprazível; mas Efraim levará seus filhos ao matador.

[14] Dá-lhes, ó SENHOR; que lhes darás? Dá-lhes um ventre estéril e seios secos.
[15] Toda a sua malícia se acha em Gilgal, porque ali passei a aborrecê-los; por causa da maldade das suas obras, os lançarei fora de minha casa; já não os amarei; todos os seus príncipes são rebeldes.
[16] Ferido está Efraim, secaram-se as suas raízes; não dará fruto; ainda que gere filhos, eu matarei os mais queridos do seu ventre.
[17] O meu Deus os rejeitará, porque não o ouvem; e andarão errantes entre as nações.

[12]Noma bekhulisa abantwana babo, nokho ngiyakubaphuca bona kungasali muntu; yebo, maye kubo, lapho ngimuka kubo!

[13]U-Efrayimi, njengalokho ngibone eTire, utshalwe endaweni emnandi, kepha u-Efrayimi uyakukhiphela umbulali abantwana bakhe.
[14] Banike, Jehova uyakunikani? Banike isisu esiphuphumayo namabele omileyo.
[15] Bonke ububi babo buseGiligali; ngalokho ngabazonda khona; ngenxa yobubi bezenzo zabo ngiyakubaxosha endlini yami, angisayikubathanda; zonke izikhulu zabo zingabahlubuki.
[16]U-Efrayimi ushayiwe, impande yabo yomile, abayikuthela izithelo. Noma bezala, ngiyakubulala okuthandekayo kwesisu sabo.
[17]UNkulunkulu wami uyakubalahla, ngokuba abamlalelanga, babe ngabazulazulayo phakathi kwabezizwe.

Oseias 10

Israel semeou malícia e segará destruição

[1] Israel é vide luxuriante, que dá o fruto; segundo a abundância do seu fruto, assim multiplicou os altares; quanto melhor a terra, tanto mais belas colunas fizeram.
[2] O seu coração é falso; por isso, serão culpados; o SENHOR quebrará os seus altares e deitará abaixo as colunas.
[3] Agora, pois, dirão eles: Não temos rei, porque não tememos ao SENHOR. E o rei, que faria por nós?

UHoseya 10

Isijeziso ngokungathembeki kuka-Israyeli

[1] U-Israyeli wayengumvini owenabileyo, ngokobuningi bezithelo zakhe wandisa ama-altare akhe; ngokobuhle bezwe lakhe wenza izinsuku ezinhle.
[2]Inhliziyo yabo yayahlukene; uyakuwaphula ama-altare abo, achithe izinsika zabo.
[3]Yebo, manje bayakuthi: Asinankosi, ngokuba asimesabanga uJehova; kepha inkosi ingasenzelani na?

[4] Falam palavras vãs, jurando falsamente, fazendo aliança; por isso, brota o juízo como erva venenosa nos sulcos dos campos.

[5] Os moradores de Samaria serão atemorizados por causa do bezerro de Bete-Áven; o seu povo se lamentará por causa dele, e os sacerdotes idólatras tremerão por causa da sua glória, que já se foi.

[6] Também o bezerro será levado à Assíria como presente ao rei principal; Efraim se cobrirá de vexame, e Israel se envergonhará por causa de seu próprio capricho.

[7] O rei de Samaria será como lasca de madeira na superfície da água.

[8] E os altos de Áven, pecado de Israel, serão destruídos; espinheiros e abrolhos crescerão sobre os seus altares; e aos montes se dirá: Cobri-nos! E aos outeiros: Caí sobre nós!

[9] Desde os dias de Gibeá, pecaste, ó Israel, e nisto permaneceste. A peleja contra os filhos da perversidade não há de alcançar-te em Gibeá?

[10] Castigarei o povo na medida do meu desejo; e congregar-se-ão contra eles os povos, quando eu o punir por causa de sua dupla transgressão.

[11] Porque Efraim era uma bezerra domada, que gostava de trilhar; coloquei o jugo sobre a formosura do seu pescoço; atrelei

[4]Bakhuluma amazwi nje, befunga amanga, benza isivumelwano; bese kumila ukwahlulela njengenhlungunyembe emiseleni yamasimu.

[5] Abakhileyo eSamariya bayakuba novalo ngenxa yamathole aseBeti Aveni, ngokuba abantu balo bayakulila ngawo, abapristi bezithombe bakhale ngawo ngenxa yodumo lwawo ukuthi lumukile kuwo.

[6] Iyakuyiswa e-Asiriya ibe yisipho kuyo inkosi uJarebi; u-Efrayimi uyakwamukela ihlazo, u-Israyeli ajabhe ngeziluleko zakhe.

[7]Inyamalele inkosi yaseSamariya njengebazelo ebusweni bamanzi.

[8] Izindawo eziphakemeyo zase-Aveni, isono sakwa-Israyeli, ziyakuchithwa; ameva namakhakhasi ayakukhuphukela ema-altare abo; bayakuthi kuzo izintaba: Sisibekeleni, nakuwo amagquma: Welani phezu kwethu.

[9] Kwasezinsukwini zaseGibeya wonile, Israyeli; bema khona; impi nabo abobubi ayiyikubafica eGibeya na?

[10] Lapho ngithanda, ngiyabajezisa; abantu babahlanganyele ekubabopheleni ebubini obubili.

[11] U-Efrayimi uyisithole esifundisiweyo, esithanda ukubhula amabele; kepha mina ngiyekile intamo yaso enhle;

Efraim ao carro. Judá lavrará, Jacó lhe desfará os torrões.

12 Então, eu disse: semeai para vós outros em justiça, ceifai segundo a misericórdia; arai o campo de pousio; porque é tempo de buscar ao SENHOR, até que ele venha, e chova a justiça sobre vós.

13 Arastes a malícia, colhestes a perversidade; comestes o fruto da mentira, porque confiastes nos vossos carros e na multidão dos vossos valentes.

14 Portanto, entre o teu povo se levantará tumulto de guerra, e todas as tuas fortalezas serão destruídas, como Salmã destruiu a Bete-Arbel no dia da guerra; as mães ali foram despedaçadas com seus filhos.

15 Assim vos fará Betel, por causa da vossa grande malícia; como passa a alva, assim será o rei de Israel totalmente destruído.

Oseias 11

O amor de Deus Pai. A ingratidão de Israel

1 Quando Israel era menino, eu o amei; e do Egito chamei o meu filho.

2 Quanto mais eu os chamava, tanto mais se iam da minha presença; sacrificavam a baalins e queimavam incenso às imagens de escultura.

3 Todavia, eu ensinei a andar a Efraim; tomei-os nos meus braços, mas não atinaram que eu os curava.

4 Atraí-os com cordas humanas, com laços de amor; fui para eles como quem alivia o

sengiyakumbophela u-Efrayimi, uJuda alime, uJakobe azidubele.

12 Zihlwanyeleleni ngokulunga, niyakuvuna ngomusa; qathani umqatho wenu; sekuyisikhathi sokumfuna uJehova, aze afike, anise ukulunga phezu kwenu.

13Nilime ububi, navuna okubi; nidlile izithelo zamanga, ngokuba nethemba endleleni yenu nakubo ubuningi bamaqhawe enu.

14Kuyakuvela ukuxokozela phakathi kwabantu bakho, zichithwe zonke izinqaba zakho, njengalokho uShalimani achitha iBeti Aribeli ngosuku lokulwa, unina echotshozwa phezu kwabantwana.

15Kanjalo iBethele liyakwenza kini ngenxa yobubi benu obukhulu; ekuseni inkosi yakwa-Israyeli iyakunqunywa nokunqunywa.

UHoseya 11

Ukuthandwa kuka-Israyeli nguNkulunkulu

1 Lapho u-Israyeli esengumntwana ngamthanda, ngayibiza indodana yami iphume eGibithe.

2Lapho bebabiza, kwaba yilokhu besuka kubo; babahlabela oBali, bashisela izithombe ezibaziweyo impepho.

3 Nokho mina ngamcathulisa u-Efrayimi; ngabaphatha ngezingalo zami, kepha abazanga ukuthi ngabaphulukisa.

4Ngabadonsa ngezintambo zomuntu, ngamagoda othando; ngaba kubo

jugo de sobre as suas queixadas e me inclinei para dar-lhes de comer.

5 Não voltarão para a terra do Egito, mas o assírio será seu rei, porque recusam converter-se.

6 A espada cairá sobre as suas cidades, e consumirá os seus ferrolhos, e as devorará, por causa dos seus caprichos.

7 Porque o meu povo é inclinado a desviar-se de mim; se é concitado a dirigir-se acima, ninguém o faz.

8 Como te deixaria, ó Efraim? Como te entregaria, ó Israel? Como te faria como a Admá? Como fazer-te um Zeboim? Meu coração está comovido dentro de mim, as minhas compaixões, à uma, se acendem.

9 Não executarei o furor da minha ira; não tornarei para destruir a Efraim, porque eu sou Deus e não homem, o Santo no meio de ti; não voltarei em ira.

10 Andarão após o SENHOR; este bramará como leão, e, bramando, os filhos, tremendo, virão do Ocidente;

11 tremendo, virão, como passarinhos, os do Egito, e, como pombas, os da terra da Assíria, e os farei habitar em suas próprias casas, diz o SENHOR.

12 Efraim me cercou por meio de mentiras, e a casa de Israel, com engano; mas Judá ainda domina com Deus e é fiel com o Santo.

njengophakamisa ijoka entanyeni yabo, ngagobela kubo, ngabanika ukudla.

5 Abayikubuyela ezweni laseGibithe, owase-Asiriya abe yinkosi yabo, ngokuba benqaba ukubuya, na?

6Inkemba iyakutheleka emizini yabo, iqede imigoqo yayo, ibadle ngenxa yeziluleko zabo.

7Abantu bami bahlose ukuhlehla kimi; noma bebabizela kongaPhezulu kangakanani, akakho oziphakamisayo.

8 Ngingakunikela kanjani, Efrayimi, ngikukhaphele, Israyeli, na? Ngingakwenza kanjani ube njenge-Adima, ngikubeke ufane neSeboyimi, na? Inhliziyo iyaphenduka phakathi kwami, sonke isihawu sami sivusiwe.

9 Angiyikwenza ukufutheka kwentukuthelo yami, ngingabuyeli ukumchitha u-Efrayimi, ngokuba nginguNkulunkulu, angisiye umuntu; ngingoNgcwele phakathi kwenu, angiyikufika ngolaka.

10 Bayakulandela uJehova oyakubhonga njengengonyama, ngokuba uyakubhonga, abantwana bakhe bavele entshonalanga ngokuthuthumela.

11Bayakuvela ngokuthuthumela eGibithe njengezinyoni, nanjengejuba ezweni lase-Asiriya, ngibahlalise ezindlini zabo, usho uJehova.

12U-Efrayimi ungizungezile ngamanga, nendlu yakwa-Israyeli ngenkohliso; uJuda usazulazula kuNkulunkulu nakoNgcwele othembekileyo.

Oseias 12

Jacó, modelo para o povo de Israel

[1] Efraim apascenta o vento e persegue o vento leste todo o dia; multiplica mentiras e destruição e faz aliança com a Assíria, e o azeite se leva ao Egito.

[2] O SENHOR também com Judá tem contenda e castigará Jacó segundo o seu proceder; segundo as suas obras, o recompensará.

[3] No ventre, pegou do calcanhar de seu irmão; no vigor da sua idade, lutou com Deus;

[4] lutou com o anjo e prevaleceu; chorou e lhe pediu mercê; em Betel, achou a Deus, e ali falou Deus conosco.

[5] O SENHOR, o Deus dos Exércitos, o SENHOR é o seu nome;

[6] converte-te a teu Deus, guarda o amor e o juízo e no teu Deus espera sempre.

[7] Efraim, mercador, tem nas mãos balança enganosa e ama a opressão;

[8] mas diz: Contudo, me tenho enriquecido e adquirido grandes bens; em todos esses meus esforços, não acharão em mim iniqüidade alguma, nada que seja pecado.

[9] Mas eu sou o SENHOR, teu Deus, desde a terra do Egito; eu ainda te farei habitar em tendas, como nos dias da festa.

[10] Falei aos profetas e multipliquei as visões; e, pelo ministério dos profetas, propus símiles.

UHoseya 12

Ukungathembeki kuka-Efrayimi

[1] U-Efrayimi uyadla umoya, ulandela umoya wasempumalanga; uyandisa imihla yonke amanga nencithakalo; benza isivumelwano ne-Asiriya, namafutha ayiswa eGibithe.

[2]UJehova unokuphikisana noJuda futhi; uyakuhambela uJakobe ngenxa yezindlela zakhe, ambuyisele ngokwezenzo zakhe.

[3] Esiswini wabamba umfowabo ngesithende, nasebudodeni bakhe walwa noNkulunkulu;

[4] walwa nengelosi, wanqoba; wakhala, wanxusa kuyo; yamfumana eBethele, yakhuluma naye lapho.

[5] NguJehova uNkulunkulu Sebawoti, nguJehova igama lakhe lodumo.

[6]Ngalokho buyela wena kuNkulunkulu wakho, ugcine umusa nokulunga, ulindele uNkulunkulu wakho njalonjalo.

[7]IKhanani linesilinganiso esikhohlisayo esandleni salo, lithanda ukukhahlameza.

[8] U-Efrayimi uthi: Impela ngicebile, ngithole imfuyo; kukho konke ukuzuza kwami abayikufumana bubi obuyisono.

[9] Kepha mina nginguJehova uNkulunkulu wakho kwasezweni laseGibithe; ngisezakukuhlalisa ematendeni njengasezinsukwini zemikhosi emisiweyo.

[10] Ngikhulumile kubaprofethi, ngandisile imibono, ngifanekisile ngesandla sabaprofethi.

[11] Se há em Gileade transgressão, pura vaidade são eles; se em Gilgal sacrificam bois, os seus altares são como montões de pedra nos sulcos dos campos.

[12] Jacó fugiu para a terra da Síria, e Israel serviu por uma mulher e por ela guardou o gado.

[13] Mas o SENHOR, por meio de um profeta, fez subir a Israel do Egito e, por um profeta, foi ele guardado.

[14] Efraim mui amargamente provocou à ira; portanto, o SENHOR deixará ficar sobre ele o sangue por ele derramado; e fará cair sobre ele o seu opróbrio.

Oseias 13

Castigo definitivo

[1] Quando falava Efraim, havia tremor; foi exaltado em Israel, mas ele se fez culpado no tocante a Baal e morreu.

[2] Agora, pecam mais e mais, e da sua prata fazem imagens de fundição, ídolos segundo o seu conceito, todos obra de artífices, e dizem: Sacrificai a eles. Homens até beijam bezerros!

[3] Por isso, serão como nuvem de manhã, como orvalho que cedo passa, como palha que se lança da eira e como fumaça que sai por uma janela.

[4] Todavia, eu sou o SENHOR, teu Deus, desde a terra do Egito; portanto, não conhecerás outro deus além de mim, porque não há salvador, senão eu.

[11] Uma iGileyadi linobubi, impela bayakuba ngabachithiwe; uma behlabela izinkunzi eGiligali, ama-altare abo ayakuba njengezinqwaba ngasemiseleni yamasimu.

[12] UJakobe wabalekela ezweni lase-Aramu, u-Israyeli wakhonzela umfazi, walusa umhlambi ngenxa yomfazi.

[13] UJehova wakhuphula u-Israyeli eGibithe ngomprofethi, wagcinwa ngomprofethi.

[14] U-Efrayimi ucunulile ngokubabisayo; icala lakhe legazi liyakuphonswa phezu kwakhe; iNkosi yakhe ibuyisele kuye ihlazo lakhe.

UHoseya 13

UNkulunkulu ulusizo olulodwa luka-Israyeli

[1] Lapho u-Efrayimi ekhuluma, kwavela ukuthuthumela; wayephakeme kwa-Israyeli, kepha wazitholela icala ngoBali, wafa.

[2] Manje benezela ekoneni, bazenzele imifanekiso ebunjiweyo ngesiliva labo nezithombe ngokuqonda kwabo, zonke ziyimisebenzi yezinyanga; bakhuluma ngabo, bathi: Bahlaba abantu, kepha banga amathole.

[3] Ngalokho bayakuba njengamafu okusa, nanjengamazolo amuka ekuseni, nanjengamakhoba aphephethwa esibuyeni nomusi ophuma ngefasitele.

[4] Nokho nginguJehova uNkulunkulu wakho kwasezweni laseGibithe; ngaphandle kwami awazi Nkulunkulu, nomsindisi akakho ngaphandle kwami.

5 Eu te conheci no deserto, em terra muito seca.

6 Quando tinham pasto, eles se fartaram, e, uma vez fartos, ensoberbeceu-se-lhes o coração; por isso, se esqueceram de mim.

7 Sou, pois, para eles como leão; como leopardo, espreito no caminho.

8 Como ursa, roubada de seus filhos, eu os atacarei e lhes romperei a envoltura do coração; e, como leão, ali os devorarei, as feras do campo os despedaçarão.

9 A tua ruína, ó Israel, vem de ti, e só de mim, o teu socorro.

10 Onde está, agora, o teu rei, para que te salve em todas as tuas cidades? E os teus juízes, dos quais disseste: Dá-me rei e príncipes?

11 Dei-te um rei na minha ira e to tirei no meu furor.

12 As iniqüidades de Efraim estão atadas juntas, o seu pecado está armazenado.

13 Dores de parturiente lhe virão; ele é filho insensato, porque é tempo, e não sai à luz, ao abrir-se da madre.

14 Eu os remirei do poder do inferno e os resgatarei da morte; onde estão, ó morte, as tuas pragas? Onde está, ó inferno, a tua destruição? Meus olhos não vêem em mim arrependimento algum.

15 Ainda que ele viceja entre os irmãos, virá o vento leste, vento do SENHOR, subindo do deserto, e secará a sua nascente, e estancará a sua fonte; ele

5 Mina ngakwazi ehlane ezweni lokoma.

6 Basutha njengamadlelo abo; basutha, nenhliziyo yabo yaphakama; ngalokho bangikhohliwe.

7 Ngase ngiba njengengonyama kubo, ngiqamekela endleleni njengengwe.

8 Ngitheleka phezu kwabo njengebhere elaphuciwe amawundlu alo, ngidwengula ubhedu lwenhliziyo, ngibadle njengengonyamakazi, isilwane sasendle sibaqaqe.

9 Ngukuchithwa kwakho, Israyeli, ngokuba uphambene nami, usizo lwakho.

10 Iphi inkosi yakho manje ukuba ikusindise emizini yakho yonke; nabahluleli bakho, wena owathi: Ngiphe inkosi nezikhulu ?

11 Ngikunike inkosi ngentukuthelo yami, ngayisusa ngolaka lwami.

12 Ububi buka-Efrayimi buboshiwe, isono sakhe sibekelelwe.

13 Imihelo yobelethayo iyakumehlela; uyindodana engahlakaniphile, ngokuba kuyisikhathi sokuba angemi lapho kuqhamuka abantwana.

14 Ngiyakubahlenga esandleni sendawo yabafileyo, ngibahlawulele ekufeni; ziphi izifo zakho, kufa, kuphi ukuchitha kwakho, ndawo yabafileyo, na? Ukuguquka kufihlekile emehlweni ami.

15 Noma enezithelo phakathi kwabafowabo, kuyakufika umoya wasempumalanga, umoya kaJehova ovela ehlane; besewujabha umthombo,

saqueará o tesouro de todas as coisas preciosas.

16 Samaria levará sobre si a sua culpa, porque se rebelou contra o seu Deus; cairá à espada, seus filhos serão despedaçados, e as suas mulheres grávidas serão abertas pelo meio.

Oseias 14

Promessas de perdão

1 Volta, ó Israel, para o SENHOR, teu Deus, porque, pelos teus pecados, estás caído.

2 Tende convosco palavras de arrependimento e convertei-vos ao SENHOR; dizei-lhe: Perdoa toda iniqüidade, aceita o que é bom e, em vez de novilhos, os sacrifícios dos nossos lábios.

3 A Assíria já não nos salvará, não iremos montados em cavalos e não mais diremos à obra das nossas mãos: tu és o nosso Deus; por ti o órfão alcançará misericórdia.

4 Curarei a sua infidelidade, eu de mim mesmo os amarei, porque a minha ira se apartou deles.

5 Serei para Israel como orvalho, ele florescerá como o lírio e lançará as suas raízes como o cedro do Líbano.

6 Estender-se-ão os seus ramos, o seu esplendor será como o da oliveira, e sua fragrância, como a do Líbano.

7 Os que se assentam de novo à sua sombra voltarão; serão vivificados como o cereal e

isiphethu sishe; uyakuphanga ingcebo yakhe, zonke izinto ezinxanelekayo.

16ISamariya liyakuthwala icala lalo, ngokuba lihlubukile uNkulunkulu walo; bayakuwa ngenkemba, izingane zabo zichotshozwe, abakhulelweyo babo baqaqwe.

UHoseya 14

Ukuphenduka nomusa

1Buyela kuJehova uNkulunkulu wakho, Israyeli, ngokuba ukhubekile ngobubi bakho.

2 Thabathani amazwi, nibuyele kuJehova, nithi kuye: Susa konke okubi, wamukele okuhle, sinikele ngemilomo yethu njengangezinkunzi.

3 I-Asiriya aliyikusisindisa, asisayikukhwela amahhashi, singasasho kuyo imisebenzi yezandla zethu ukuthi ngonkulunkulu bethu, ngokuba intandane iphiwa umusa kuwe.

4 Ngiyakuphulukisa ukuhlehla kwabo, ngibathande ngesihle, ngokuba intukuthelo yami ibuyile kubo.

5Ngiyakuba njengamazolo ku-Israyeli; uyakukhahlela njengomnduze, enabise izimpande zakhe njengeLebanoni.

6Imixhantela yakhe iyakuxhantela, ubuhle bakhe bube njengomnqumo, iphunga lakhe libe njengeLebanoni.

7 Bayakubuya, bahlale emthunzini wakhe, babuye baphile njengamabele, bakhahlele

florescerão como a vide; a sua fama será como a do vinho do Líbano.

[8] Ó Efraim, que tenho eu com os ídolos? Eu te ouvirei e cuidarei de ti; sou como o cipreste verde; de mim procede o teu fruto.

Apelo final

[9] Quem é sábio, que entenda estas coisas; quem é prudente, que as saiba, porque os caminhos do SENHOR são retos, e os justos andarão neles, mas os transgressores neles cairão.

njengomvini, igama lakhe lodumo libe njengomvini waseLebanoni.

[8] Efrayimi, ngisenendabani nezithombe na? Mina ngiyakumphendula, ngimbheke; nginjengomsayipuresi oluhlaza, kimina izithelo zakho ziyafunyanwa.

[9] Ngubani ohlakaniphile, aqonde lezi zinto; ngubani onomqondo, azazi, na? Ngokuba izindlela zikaJehova zilungile; abalungileyo bayakuhamba ngazo, kepha abaphambukayo bayakukhubeka ngazo.

Joel	UJoweli

Joel 1

A carestia causada pelo gafanhoto e pela seca

[1] Palavra do SENHOR que foi dirigida a Joel, filho de Petuel.

[2] Ouvi isto, vós, velhos, e escutai, todos os habitantes da terra: Aconteceu isto em vossos dias? Ou nos dias de vossos pais?

[3] Narrai isto a vossos filhos, e vossos filhos o façam a seus filhos, e os filhos destes, à outra geração.

[4] O que deixou o gafanhoto cortador, comeu-o o gafanhoto migrador; o que deixou o migrador, comeu-o o gafanhoto devorador; o que deixou o devorador, comeu-o o gafanhoto destruidor.

[5] Ébrios, despertai-vos e chorai; uivai, todos os que bebeis vinho, por causa do mosto, porque está ele tirado da vossa boca.

[6] Porque veio um povo contra a minha terra, poderoso e inumerável; os seus dentes são dentes de leão, e ele tem os queixais de uma leoa.

[7] Fez de minha vide uma assolação, destroçou a minha figueira, tirou-lhe a casca, que lançou por terra; os seus sarmentos se fizeram brancos.

[8] Lamenta com a virgem que, pelo marido da sua mocidade, está cingida de pano de saco.

[9] Cortada está da Casa do SENHOR a oferta de manjares e a libação; os

UJoweli 1

Izwe liyachithwa yisikhonyane

[1]Izwi likaJehova elafika kuJoweli indodana kaPhethuweli.

[2]Yizwani lokhu nina badala, nibeke indlebe nina nonke enihlezi ezweni. Kwake kwaba khona emihleni yenu noma emihleni yawobaba na?

[3]Kutsheleni abantwana benu, nabantwana benu abantwana babo, nabantwana babo esinye isizukulwane.

[4]Okushiywe yisibotho kudliwe yisikhonyane, nokushiywe yisikhonyane kudliwe yizinkumbi, nokushiywe yizinkumbi kudliwe yinkasa.

[5]Phaphamani, zidakwa, nikhale, nihhewule nonke eniphuza iwayini ukuthi iwayini linqanyulelwe emlonyeni wenu.

[6]Ngokuba kwenyukele ezweni lami isizwe esinamandla nesingenakubalwa; amazinyo aso angamazinyo engonyama, namazinyo aso emihlathi angawengonyamakazi.

[7]Sichithile umvini wami, saxebula umkhiwane wami; siwuxhozile nokuwuxhoza, sawulahla, amagatsha awo sawenza aba mhlophe.

[8]Khala njengentombi ebhince indwangu yamasaka ngomyeni wobusha bayo.

[9] Iminikelo yempuphu neminikelo yokuphuzwa inqamukile endlini

sacerdotes, ministros do SENHOR, estão enlutados.

[10] O campo está assolado, e a terra, de luto, porque o cereal está destruído, a vide se secou, as olivas se murcharam.

[11] Envergonhai-vos, lavradores, uivai, vinhateiros, sobre o trigo e sobre a cevada, porque pereceu a messe do campo.

[12] A vide se secou, a figueira se murchou, a romeira também, e a palmeira e a macieira; todas as árvores do campo se secaram, e já não há alegria entre os filhos dos homens.

[13] Cingi-vos de pano de saco e lamentai, sacerdotes; uivai, ministros do altar; vinde, ministros de meu Deus; passai a noite vestidos de panos de saco; porque da casa de vosso Deus foi cortada a oferta de manjares e a libação.

[14] Promulgai um santo jejum, convocai uma assembléia solene, congregai os anciãos, todos os moradores desta terra, para a Casa do SENHOR, vosso Deus, e clamai ao SENHOR.

[15] Ah! Que dia! Porque o Dia do SENHOR está perto e vem como assolação do Todo-Poderoso.

[16] Acaso, não está destruído o mantimento diante dos vossos olhos? E, da casa do nosso Deus, a alegria e o regozijo?

[17] A semente mirrou debaixo dos seus torrões, os celeiros foram assolados, os armazéns, derribados, porque se perdeu o cereal.

kaJehova; abapristi, izikhonzi zikaJehova, bayalila.

[10]Amasimu achithekile, umhlabathi uyalila, ngokuba amabele achithiwe; iwayini elisha lishile, amafutha ayawuma.

[11] Jabhani, balimi, nihhewule nina baphathi bezivini ngokolweni nangebhali, ngokuba isivuno samasimu sichithakele.

[12]Umvini ubunile, imikhiwane iwumile; imipomegranati, namasundu, nemi-apula, nemithi yonke yasendle kubunile, ngokuba intokozo ibunile phakathi kwamadodana abantu.

[13]Bhincani, nikhale, bapristi, nihhewule, nina zikhonzi ze-altare; wozani nilale bonke ubusuku ezindwangwini zamasaka, zikhonzi zikaNkulunkulu wami, ngokuba iminikelo yempuphu neminikelo yokuphuzwa kugodliwe endlini kaNkulunkulu wenu.

[14] Ngcwelisani ukuzila ukudla, nibize umhlangano; buthani amalunga, yebo, bonke abakhe ezweni, endlini kaJehova uNkulunkulu wenu, nikhale kuJehova.

[15] Hawu lolo suku! Ngokuba usuku lukaJehova lusondele, lufika njengokuchitha kuvela kuSomandla.

[16]Akunqunywanga ukudla kwethu phambi kwamehlo ethu, intokozo nenjabulo endlini kaNkulunkulu wethu, na?

[17]Imbewu iyabola phansi kwamagade ayo; izingobo zichithakele, izinqolobane zidiliziwe, ngokuba amabele omile.

[18] Como geme o gado! As manadas de bois estão sobremodo inquietas, porque não têm pasto; também os rebanhos de ovelhas estão perecendo.
[19] A ti, ó SENHOR, clamo, porque o fogo consumiu os pastos do deserto, e a chama abrasou todas as árvores do campo.
[20] Também todos os animais do campo bramam suspirantes por ti; porque os rios se secaram, e o fogo devorou os pastos do deserto.

Joel 2

[1] Tocai a trombeta em Sião e dai voz de rebate no meu santo monte; perturbem-se todos os moradores da terra, porque o Dia do SENHOR vem, já está próximo;

[2] dia de escuridade e densas trevas, dia de nuvens e negridão! Como a alva por sobre os montes, assim se difunde um povo grande e poderoso, qual desde o tempo antigo nunca houve, nem depois dele haverá pelos anos adiante, de geração em geração.

[3] À frente dele vai fogo devorador, atrás, chama que abrasa; diante dele, a terra é como o jardim do Éden; mas, atrás dele, um deserto assolado. Nada lhe escapa.

[4] A sua aparência é como a de cavalos; e, como cavaleiros, assim correm.
[5] Estrondeando como carros, vêm, saltando pelos cimos dos montes,

[18]Yeka, ukububula kwezilwane! Imihlambi yezinkomo ikhungathekile, ngokuba ayinadlelo, yebo, nemihlambi yezimvu izithwese icala.
[19]Ngikhala kuwe Jehova, ngokuba amadlelo asehlane adliwe ngumlilo, nelangabi lishisile yonke imithi yasendle.
[20] Yebo, nezilwane zasendle ziyakulangazelela, ngokuba imifula yamanzi ishile, nomlilo udlile amadlelo asehlane.

UJoweli 2

Usuku lukaJehova

[1] Bethani icilongo eSiyoni, nihlabe umkhosi entabeni yami engcwele; mabathuthumele bonke abakhe ezweni, ngokuba luyeza usuku lukaJehova, ngokuba lusondele;
[2] usuku lobumnyama nolwesigayegaye, usuku lwamafu nolobumnyama obukhulu, njengokusa kwenekwe ezintabeni, abantu abaningi abanamandla abangazange babe ngabanjalo kwasendulo, nabangasoze baba ngabanjalo emva kwabo kuze kube naseminyakeni yezizukulwane ngezizukulwane.
[3]Phambi kwabo kuyadla umlilo, nasemva kwabo kushisa ilangabi; izwe liphambi kwabo njengensimu yase-Edene, nangasemva kwabo kuyihlane lencithakalo, akukho okubabalekelayo.
[4]Isimo sabo sinjengesimo samahhashi, bagijima njengabamahhashi.
[5]Bangqabashiya ngomsindo wezinqola eziqongweni zezintaba,

crepitando como chamas de fogo que devoram o restolho, como um povo poderoso posto em ordem de combate.

6 Diante deles, tremem os povos; todos os rostos empalidecem.

7 Correm como valentes; como homens de guerra, sobem muros; e cada um vai no seu caminho e não se desvia da sua fileira.

8 Não empurram uns aos outros; cada um segue o seu rumo; arremetem contra lanças e não se detêm no seu caminho.

9 Assaltam a cidade, correm pelos muros, sobem às casas; pelas janelas entram como ladrão.

10 Diante deles, treme a terra, e os céus se abalam; o sol e a lua se escurecem, e as estrelas retiram o seu resplendor.

11 O SENHOR levanta a voz diante do seu exército; porque muitíssimo grande é o seu arraial; porque é poderoso quem executa as suas ordens; sim, grande é o Dia do SENHOR e mui terrível! Quem o poderá suportar?

A misericórdia do Senhor

12 Ainda assim, agora mesmo, diz o SENHOR: Convertei-vos a mim de todo o vosso coração; e isso com jejuns, com choro e com pranto.

13 Rasgai o vosso coração, e não as vossas vestes, e convertei-vos ao SENHOR, vosso Deus, porque ele é misericordioso, e compassivo, e tardio em irar-se, e grande em benignidade, e se arrepende do mal.

njengokuchochoza kwelangabi lomlilo elidla amabibi nanjengabantu abanamandla, abahlelelwe ukulwa.

6 Phambi kwabo abantu bayathuthumela, bonke ubuso buyaphaphatheka.

7 Bagijima njengamaqhawe, bakhwela ezingangeni njengamadoda empi; bahamba, kube yilowo nalowo ngendlela yakhe, abaphambanisi izindlela zabo.

8 Abahlohlolozani omunye nomunye; bahamba, kube yilowo nalowo ngendlela yakhe; baziphonsa phakathi kwezikhali, abakhawuli.

9 Batheleka emzini, bagijima ogangeni; bakhuphukela ezindlini, bangena ngamafasitele njengesela.

10 Umhlaba uyazamazama phambi kwabo, amazulu ayathuthumela; ilanga nenyanga kuphenduka ubumnyama, nezinkanyezi zisusa ukukhanya kwazo.

11 UJehova uzwakalisa izwi lakhe phambi kwempi yakhe, ngokuba ibandla lakhe likhulu kakhulu, nowenza izwi lakhe unamandla; yebo, usuku lukaJehova lukhulu, luyesabeka kakhulu; ngubani ongaluthwala na?

12 Kepha manje, usho uJehova, phendukelani kimi ngenhliziyo yenu yonke, nangokuzila ukudla, nangokukhala, nangokulila.

13 Niklebhule inhliziyo yenu, hhayi izingubo zenu, niphendukele kuJehova uNkulunkulu wenu, ngokuba yena unomusa, unobumnene, wephuza

[14] Quem sabe se não se voltará, e se arrependerá, e deixará após si uma bênção, uma oferta de manjares e libação para o SENHOR, vosso Deus?

[15] Tocai a trombeta em Sião, promulgai um santo jejum, proclamai uma assembléia solene.

[16] Congregai o povo, santificai a congregação, ajuntai os anciãos, reuni os filhinhos e os que mamam; saia o noivo da sua recâmara, e a noiva, do seu aposento.

[17] Chorem os sacerdotes, ministros do SENHOR, entre o pórtico e o altar, e orem: Poupa o teu povo, ó SENHOR, e não entregues a tua herança ao opróbrio, para que as nações façam escárnio dele. Por que hão de dizer entre os povos: Onde está o seu Deus?

[18] Então, o SENHOR se mostrou zeloso da sua terra, compadeceu-se do seu povo

[19] e, respondendo, lhe disse: Eis que vos envio o cereal, e o vinho, e o óleo, e deles sereis fartos, e vos não entregarei mais ao opróbrio entre as nações.

[20] Mas o exército que vem do Norte, eu o removerei para longe de vós, lançá-lo-ei em uma terra seca e deserta; lançarei a sua vanguarda para o mar oriental, e a sua retaguarda, para o mar ocidental; subirá o

ukuthukuthela, unesihe esikhulu, uhawukela nomubi.

[14] Ngubani owaziyo uma engayikubuya, ahawukele, ashiye isibusiso emva kwakhe, kube ngumnikelo wempuphu nomnikelo wokuphuzwa kuJehova uNkulunkulu wenu, na?

[15] Bethani icilongo eSiyoni, ningcwelise ukuzila ukudla, nibize umhlangano;

[16] buthani abantu, ningcwelise ibandla, niqoqe abadala, nibuthe izingane nabancelayo; umyeni makaphume ekamelweni lakhe, nomakoti emgonqweni wakhe.

[17] Abapristi, izikhonzi zikaJehova, mabakhale phakathi kompheme ne-altare, bathi: Hawukela abantu bakho, Jehova, unganikeli isabelo sakho sibe yinhlamba, ukuze abezizwe bababhinqe; yini ukuba basho phakathi kwabantu, bathi: Uphi uNkulunkulu wabo na?

[18]UJehova wayesehawukela izwe lakhe, wabahawukela abantu bakhe.

[19] UJehova waphendula, wathi kubantu bakhe: Bhekani, ngiyakunithumela amabele, newayini, namafutha, nisuthe ngakho, ngingabe ngisanenza inhlamba phakathi kwabezizwe.

[20] Ngiyakudedisela kude nani owasenyakatho, ngimxoshele ezweni elomileyo nelichithakeleyo, ubuso bakhe bube ngaselwandle lwasempumalanga, umuva wakhe ube ngaselwandle lwasentshonalanga, kukhuphuke ukunuka

seu mau cheiro, e subirá a sua podridão; porque agiu poderosamente.

21 Não temas, ó terra, regozija-te e alegra-te, porque o SENHOR faz grandes coisas.

22 Não temais, animais do campo, porque os pastos do deserto reverdecerão, porque o arvoredo dará o seu fruto, a figueira e a vide produzirão com vigor.

23 Alegrai-vos, pois, filhos de Sião, regozijai-vos no SENHOR, vosso Deus, porque ele vos dará em justa medida a chuva; fará descer, como outrora, a chuva temporã e a serôdia.

24 As eiras se encherão de trigo, e os lagares transbordarão de vinho e de óleo.

25 Restituir-vos-ei os anos que foram consumidos pelo gafanhoto migrador, pelo destruidor e pelo cortador, o meu grande exército que enviei contra vós outros.

26 Comereis abundantemente, e vos fartareis, e louvareis o nome do SENHOR, vosso Deus, que se houve maravilhosamente convosco; e o meu povo jamais será envergonhado.

27 Sabereis que estou no meio de Israel e que eu sou o SENHOR, vosso Deus, e não há outro; e o meu povo jamais será envergonhado.

Promessa do derramamento do Espírito

28 E acontecerá, depois, que derramarei o meu Espírito sobre toda a carne; vossos filhos e vossas filhas profetizarão, vossos

kwakhe, kwenyuke iphunga lakhe elibi; ngokuba wenzile izinto ezinkulu.

21 Ungesabi, lizwe; jabula, uthokoze, ngokuba uJehova wenzile izinto ezinkulu.

22 Ningesabi, zilwane zasendle, ngokuba amadlelo asehlane ayahluma, nemithi ithela izithelo, umkhiwane nomvini kuveza amandla akho.

23 Jabulani, bantwana baseSiyoni, nithokoze kuJehova uNkulunkulu wenu, ngokuba uninika imvula yokuqala ngokulunga, unehlisela imvula, eyokuqala neyamuva, njengasekuqaleni.

24 Izibuya ziyakugcwala amabele, nezikhongozelo ziyakuchichima iwayini namafutha.

25 Ngiyakubuyisela kini iminyaka eyadliwa yisikhonyane, nezinkumbi, nenkasa, nesibotho, impi yami enkulu engayithuma phakathi kwenu.

26 Niyakudla nokudla, nisuthe, nilidumise igama likaJehova uNkulunkulu wenu oniphathe ngokumangalisayo; abantu bami abayikujabha kuze kube phakade.

27 Niyakwazi ukuthi ngiphakathi kuka-Israyeli nokuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu, akakho omunye; abantu bami abayikujabha kuze kube phakade.

28 Kuyakuthi ngasemuva ngithulule uMoya wami phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, abadala benu baphuphe

velhos sonharão, e vossos jovens terão visões;

[29] até sobre os servos e sobre as servas derramarei o meu Espírito naqueles dias.

[30] Mostrarei prodígios no céu e na terra: sangue, fogo e colunas de fumaça.

[31] O sol se converterá em trevas, e a lua, em sangue, antes que venha o grande e terrível Dia do SENHOR.

[32] E acontecerá que todo aquele que invocar o nome do SENHOR será salvo; porque, no monte Sião e em Jerusalém, estarão os que forem salvos, como o SENHOR prometeu; e, entre os sobreviventes, aqueles que o SENHOR chamar.

Joel 3

Os juízos de Deus sobre as nações inimigas

[1] Eis que, naqueles dias e naquele tempo, em que mudarei a sorte de Judá e de Jerusalém,

[2] congregarei todas as nações e as farei descer ao vale de Josafá; e ali entrarei em juízo contra elas por causa do meu povo e da minha herança, Israel, a quem elas espalharam por entre os povos, repartindo a minha terra entre si.

[3] Lançaram sortes sobre o meu povo, e deram meninos por meretrizes, e venderam meninas por vinho, que beberam.

[4] Que tendes vós comigo, Tiro, e Sidom, e todas as regiões da Filístia? É isso

amaphupho, izinsizwa zenu zibone imibono;

[29]naphezu kwezinceku nezincekukazi ngalezo zinsuku ngiyakuthulula uMoya wami.

[30]Ngiyakuveza izimangaliso ezulwini nasemhlabeni, igazi, nomlilo, nezinsika zomusi.

[31]Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, inyanga ibe yigazi, lungakafiki usuku olukhulu nolwesabekayo lukaJehova.

[32] Kuyakuthi bonke ababiza igama likaJehova bakhululwe, ngokuba entabeni yaseSiyoni naseJerusalema kuyakuba ngabasindileyo, njengalokho eshilo uJehova, naphakathi kwabaseleyo kube ngababizwa nguJehova.

UJoweli 3

Ukwahlulelwa kwezizwe

[1] Ngokuba ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi, lapho ngiyakubuyisa ukuthunjwa kukaJuda neJerusalema,

[2]ngiyakubutha zonke izizwe, ngizehlisele esigodini sikaJehoshafati, ngahlulelane nazo khona ngenxa yabantu bami nesabelo sami u-Israyeli, ezibahlakazile phakathi kwezizwe, zabela izwe lami.

[3]Zenza inkatho ngabantu bami, zanika umfana ngesifebe, zathengisa ngentombazana ngenxa yewayini, zaliphuza.

[4] Niyini kimi, nina Tire neSidoni, nayo yonke imikhawulo yaseFilistiya na?

vingança que quereis contra mim? Se assim me quereis vingar, farei, sem demora, cair sobre a vossa cabeça a vossa vingança.

5 Visto que levastes a minha prata e o meu ouro, e as minhas jóias preciosas metestes nos vossos templos,

6 e vendestes os filhos de Judá e os filhos de Jerusalém aos filhos dos gregos, para os apartar para longe dos seus limites,

7 eis que eu os suscitarei do lugar para onde os vendestes e farei cair a vossa vingança sobre a vossa própria cabeça.

8 Venderei vossos filhos e vossas filhas aos filhos de Judá, e estes, aos sabeus, a uma nação remota, porque o SENHOR o disse.

9 Proclamai isto entre as nações: Apregoai guerra santa e suscitai os valentes; cheguem-se, subam todos os homens de guerra.

10 Forjai espadas das vossas relhas de arado e lanças, das vossas podadeiras; diga o fraco: Eu sou forte.

11 Apressai-vos, e vinde, todos os povos em redor, e congregai-vos; para ali, ó SENHOR, faze descer os teus valentes.

12 Levantem-se as nações e sigam para o vale de Josafá; porque ali me assentarei para julgar todas as nações em redor.

13 Lançai a foice, porque está madura a seara; vinde, pisai, porque o lagar está

Niyakungibuyisela utho na? Uma ningibuyisela utho ngiyakushesha ngibuyisele masinyane phezu kwekhanda lenu izenzo zenu,

5njengalokho nithathile isiliva lami negolide lami, nangenisa izinto zami ezinhle emathempelini enu,

6nathengisa ngabantwana bakwaJuda nangabantwana baseJerusalema kumadodana aseJavani ukuba nibadedisele kude nemikhawulo yabo.

7 Bhekani, ngiyakubavusa endaweni enithengisile kuyo ngabo, ngibuyisele ekhanda lenu isenzo senu.

8Ngiyakuthengisa ngamadodana enu nangamadodakazi enu esandleni sabantwana bakwaJuda, bona bathengise ngabo kumaSheba, isizwe esikude, ngokuba uJehova ukhulumile.

9Memezelani lokhu phakathi kwabezizwe, ningcwelise impi, niwavuse amaqhawe; mawasondele, enyuke onke amadoda empi.

10 Khandani amakhuba enu abe yizinkemba, ocelemba benu babe yimikhonto, obuthakathaka asho ukuthi ngiyiqhawe.

11 Sheshani nifike nina bezizwe zonke nxazonke, nibuthane, wehlisele khona amaqhawe akho, Jehova.

12 Mabazivuse abezizwe, benyukele esigodini sikaJehoshafati, ngokuba ngahlulele bonke abezizwe nxazonke.

13 Fakani isikela, ngokuba okuzakuvunwa sekuvuthiwe; ngokuba isikhamo sewayini

cheio, os seus compartimentos transbordam, porquanto a sua malícia é grande.

[14] Multidões, multidões no vale da Decisão! Porque o Dia do SENHOR está perto, no vale da Decisão.

[15] O sol e a lua se escurecem, e as estrelas retiram o seu resplendor.

[16] O SENHOR brama de Sião e se fará ouvir de Jerusalém, e os céus e a terra tremerão; mas o SENHOR será o refúgio do seu povo e a fortaleza dos filhos de Israel.

[17] Sabereis, assim, que eu sou o SENHOR, vosso Deus, que habito em Sião, meu santo monte; e Jerusalém será santa; estranhos não passarão mais por ela.

A restauração de Israel

[18] E há de ser que, naquele dia, os montes destilarão mosto, e os outeiros manarão leite, e todos os rios de Judá estarão cheios de águas; sairá uma fonte da Casa do SENHOR e regará o vale de Sitim.

[19] O Egito se tornará uma desolação, e Edom se fará um deserto abandonado, por causa da violência que fizeram aos filhos de Judá, em cuja terra derramaram sangue inocente.

[20] Judá, porém, será habitada para sempre, e Jerusalém, de geração em geração.

[21] Eu expiarei o sangue dos que não foram expiados, porque o SENHOR habitará em Sião.

sigcwele, nezikhongozelo ziyachichima, ngokuba ububi babo bukhulu.

[14]Yizixuku ngezixuku esigodini sokwahlulela, ngokuba usuku lukaJehova lusondele esigodini sokwahlulela.

[15] Ilanga nenyanga kuba mnyama, izinkanyezi zisusa ukukhanya kwazo.

[16] UJehova uyaduma eseSiyoni, ezwakalise izwi lakhe eseJerusalema; izulu nomhlaba kuyazamazama, kepha uJehova uyisiphephelo sabantu bakhe, nenqaba yabantwana bakwa-Israyeli.

[17] Bese nikwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu engihlala eSiyoni, intaba yami engcwele; iJerusalema liyakuba ngcwele, abafokazi abasayikulidabula.

[18] Kuyakuthi ngalolo suku izintaba ziconse iwayini elimnandi, amagquma agobhoze ubisi, yonke imifula yakwaJuda igobhoze amanzi; kuyakuvela umthombo endlini kaJehova oyakunisela isigodi saseShithimi.

[19] IGibithe liyakuba yincithakalo, u-Edomi abe yihlane lencithakalo ngenxa yendluzula eyenziwe kubantwana bakwaJuda, ngokuba bachithile igazi elingenacala ezweni labo.

[20]Kepha uJuda uyakuhlala kuze kube phakade, neJerusalema ezizukulwaneni ngezizukulwane.

[21] Ngiyakuphindisela igazi labo engingakaliphindiseli, ngokuba uJehova wakhile eSiyoni.

Amós	U-Amose

Amós 1

Ameaças contra diversas nações

[1] Palavras que, em visão, vieram a Amós, que era entre os pastores de Tecoa, a respeito de Israel, nos dias de Uzias, rei de Judá, e nos dias de Jeroboão, filho de Joás, rei de Israel, dois anos antes do terremoto.

[2] Ele disse: O SENHOR rugirá de Sião e de Jerusalém fará ouvir a sua voz; os prados dos pastores estarão de luto, e secar-se-á o cimo do Carmelo.

[3] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões de Damasco e por quatro, não sustarei o castigo, porque trilharam a Gileade com trilhos de ferro.

[4] Por isso, meterei fogo à casa de Hazael, fogo que consumirá os castelos de Ben-Hadade.

[5] Quebrarei o ferrolho de Damasco e eliminarei o morador de Biqueate-Áven e ao que tem o cetro de Bete-Éden; e o povo da Síria será levado em cativeiro a Quir, diz o SENHOR.

[6] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões de Gaza e por quatro, não sustarei o castigo, porque levaram em cativeiro todo o povo, para o entregarem a Edom.

U-Amose 1

Iziprofetho ngokwahlulelwa kwezizwe

[1] Amazwi ka-Amose owayephakathi kwabelusi baseThekhowa, owabonayo ngo-Israyeli emihleni ka-Uziya, inkosi yakwaJuda, nasemihleni kaJerobowamu indodana kaJowashi, inkosi yakwa-Israyeli, iminyaka emibili ngaphambi kokuzamazama komhlaba.

[2] Wathi: UJehova uyaduma eseSiyoni, ezwakalise izwi lakhe eseJerusalema; amadlelo abelusi ayakulila, nesiqongo saseKarmeli siyakubuna.

[3] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zaseDamaseku, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba babhula iGileyadi ngezibhulo ezibukhali zensimbi.

[4] Kepha ngiyakuthuma umlilo endlini kaHazayeli, uqede izindlu zobukhosi zikaBeni Hadadi.

[5] Ngiyakwaphula imigoqo yaseDamaseku, nginqume abakhileyo eBikati Aveni, nophethe intonga eBeti Edene, abantu base-Aramu bathunjelwe eKhiri, usho uJehova.

[6] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zaseGaza, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bathumba abantu ngokuthumba okupheleleyo ukuba babakhaphele ku-Edomi.

[7] Por isso, meterei fogo aos muros de Gaza, fogo que consumirá os seus castelos.

[7]Kepha ngiyakuthuma umlilo ogangeni lwaseGaza, uqede izindlu zalo zamakhosi.

[8] Eliminarei o morador de Asdode e o que tem o cetro de Asquelom e volverei a mão contra Ecrom; e o resto dos filisteus perecerá, diz o SENHOR.

[8] Ngiyakunquma abakhileyo e-Ashidodi, nophethe intonga e-Ashikeloni, ngiphendulele isandla sami e-Ekroni; nensali yamaFilisti iyakuphela, isho iNkosi uJehova.

[9] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões de Tiro e por quatro, não sustarei o castigo, porque entregaram todos os cativos a Edom e não se lembraram da aliança de irmãos.

[9] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zaseTire, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bakhaphela abantu ngokuthumba okupheleleyo ku-Edomi, bangakhumbuli isivumelwano sabazalwane.

[10] Por isso, meterei fogo aos muros de Tiro, fogo que consumirá os seus castelos.

[10] Kepha ngiyakuthuma umlilo ogangeni lwaseTire, uqede izindlu zalo zamakhosi.

[11] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões de Edom e por quatro, não sustarei o castigo, porque perseguiu o seu irmão à espada e baniu toda a misericórdia; e a sua ira não cessou de despedaçar, e reteve a sua indignação para sempre.

[11] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwa-Edomi, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba wamxosha umfowabo ngenkemba, walahla isihe sakhe, wagcina ulaka lwakhe, wayilondoloza intukuthelo yakhe.

[12] Por isso, meterei fogo a Temã, fogo que consumirá os castelos de Bozra.

[12]Kepha ngiyakuthuma umlilo eThemani, uqede izindlu zamakhosi zaseBosira.

[13] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões dos filhos de Amom e por quatro, não sustarei o castigo, porque rasgaram o ventre às grávidas de Gileade, para dilatarem os seus próprios limites.

[13] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zabantwana bakwa-Amoni, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba baqaqile abakhulelweyo kwaGileyadi ukuba bayenze banzi imikhawulo yabo.

[14] Por isso, meterei fogo aos muros de Rabá, fogo que consumirá os seus castelos, com alarido no dia da batalha, com turbilhão no dia da tempestade.

[14]Kepha ngiyakuphemba umlilo ogangeni lwaseRaba, uqede izindlu zalo zamakhosi ngokumemeza ngosuku lokulwa, nangesiphepho ngosuku lwesivunguvungu.

[15] O seu rei irá para o cativeiro, ele e os seus príncipes juntamente, diz o SENHOR.

[15]Inkosi yabo iyakuya ekuthunjweni, yona nezikhulu zayo kanyekanye, usho uJehova.

Amós 2

[1] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões de Moabe e por quatro, não sustarei o castigo, porque queimou os ossos do rei de Edom, até os reduzir a cal.

[2] Por isso, meterei fogo a Moabe, fogo que consumirá os castelos de Queriote; Moabe morrerá entre grande estrondo, alarido e som de trombeta.

[3] Eliminarei o juiz do meio dele e a todos os seus príncipes com ele matarei, diz o SENHOR.

Ameaças contra Judá

[4] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões de Judá e por quatro, não sustarei o castigo, porque rejeitaram a lei do SENHOR e não guardaram os seus estatutos; antes, as suas próprias mentiras os enganaram, e após elas andaram seus pais.

[5] Por isso, meterei fogo a Judá, fogo que consumirá os castelos de Jerusalém.

Ameaças contra Israel

[6] Assim diz o SENHOR: Por três transgressões de Israel e por quatro, não sustarei o castigo, porque os juízes vendem o justo por dinheiro e condenam o necessitado por causa de um par de sandálias.

U-Amose 2

[1] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwaMowabi, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba washisa amathambo enkosi yakwa-Edomi aba ngumcako.

[2] Kepha ngiyakuthuma umlilo kwaMowabi, uqede izindlu zamakhosi zaseKeriyote, uMowabi afe ngokuxokozela, nangokumemeza, nangokukhala kwecilongo.

[3]Ngiyakunquma umahluleli phakathi kwakhe, ngibulale zonke izikhulu zakhe kanye naye, usho uJehova.

[4] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwaJuda, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bawulahlile umthetho kaJehova, abagcinanga izimiso zakhe, namanga abo abadukisile, abawalandelayo nawoyise.

[5]Kepha ngiyakuthuma umlilo kwaJuda, uqede izindlu zamakhosi zaseJerusalema.

[6] Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwa-Israyeli, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bathengisile olungileyo ngesiliva, nompofu ngamabhangqa ezicathulo.

[7] Suspiram pelo pó da terra sobre a cabeça dos pobres e pervertem o caminho dos mansos; um homem e seu pai coabitam com a mesma jovem e, assim, profanam o meu santo nome.

[8] E se deitam ao pé de qualquer altar sobre roupas empenhadas e, na casa do seu deus, bebem o vinho dos que foram multados.

[9] Todavia, eu destruí diante deles o amorreu, cuja altura era como a dos cedros, e que era forte como os carvalhos; e destruí o seu fruto por cima e as suas raízes por baixo.

[10] Também vos fiz subir da terra do Egito e quarenta anos vos conduzi no deserto, para que possuísseis a terra do amorreu.

[11] Dentre os vossos filhos, suscitei profetas e, dentre os vossos jovens, nazireus. Não é isto assim, filhos de Israel? – diz o SENHOR.

[12] Mas vós aos nazireus destes a beber vinho e aos profetas ordenastes, dizendo: Não profetizeis.

[13] Eis que farei oscilar a terra debaixo de vós, como oscila um carro carregado de feixes.

[14] De nada valerá a fuga ao ágil, o forte não usará a sua força, nem o valente salvará a sua vida.

[7] Bazondelela amakhanda abampofu ukuba abe sothulini lomhlabathi, bachezukisa indlela yabathobileyo; indoda noyise baya entombininye, ukuze balihlambalaze igama lami elingcwele,

[8] bacambalale ezingutsheni ezithathwe zaba yisibambiso eceleni kwawo onke ama-altare, baphuze iwayini labahlawulisiweyo endlini kaNkulunkulu wabo.

[9] Nokho mina ngachitha ama-Amori ebusweni babo, akuphakama kwawo kwakunjengokuphakama kwemisedari, ayenamandla njengama-oki; kepha ngachitha nokho izithelo zawo phezulu nezimpande zawo phansi.

[10] Futhi mina nganikhuphula ezweni laseGibithe, nganihambisa iminyaka engamashumi amane ehlane ukuba nidle ifa lezwe lama-Amori.

[11]Ngavusa kumadodana enu abaprofethi nasezinsizweni zenu amaNaziri. Akunjalo, nina bantwana bakwa-Israyeli, na? usho uJehova.

[12] Kepha naphuzisa amaNaziri iwayini, ngokuthi: Ningaprofethi.

[13] Bhekani, ngiyakunicindezela endaweni yenu njengengqukumbane icindezela, igcwele izithungu.

[14] Onejubane uyakuswela ukubaleka; onamandla akayikuqinisa amandla akhe, neqhawe aliyikuzikhulula.

15 O que maneja o arco não resistirá, nem o ligeiro de pés se livrará, nem tampouco o que vai montado a cavalo salvará a sua vida.

16 E o mais corajoso entre os valentes fugirá nu naquele dia, disse o SENHOR.

15Obambe umnsalo akayikuma; onejubane ngezinyawo zakhe kayikuzikhulula, nokhwele ihhashi akayikuzikhulula;

16onesibindi phakathi kwamaqhawe uyakubaleka ze ngalolo suku, usho uJehova.

Amós 3

O castigo contra a maldade de Israel

1 Ouvi a palavra que o SENHOR fala contra vós outros, filhos de Israel, contra toda a família que ele fez subir da terra do Egito, dizendo:

2 De todas as famílias da terra, somente a vós outros vos escolhi; portanto, eu vos punirei por todas as vossas iniqüidades.

3 Andarão dois juntos, se não houver entre eles acordo?

4 Rugirá o leão no bosque, sem que tenha presa? Levantará o leãozinho no covil a sua voz, se nada tiver apanhado?

5 Cairá a ave no laço em terra, se não houver armadilha para ela? Levantar-se-á o laço da terra, sem que tenha apanhado alguma coisa?

6 Tocar-se-á a trombeta na cidade, sem que o povo se estremeça? Sucederá algum mal à cidade, sem que o SENHOR o tenha feito?

7 Certamente, o SENHOR Deus não fará coisa alguma, sem primeiro revelar o seu segredo aos seus servos, os profetas.

U-Amose 3

Ukujeziswa kuka-Israyeli

1Yizwani leli zwi uJehova alikhulumile ngani bantwana bakwa-Israyeli, ngawo wonke umndeni engawukhuphula ezweni laseGibithe, ngokuthi:

2 Nginazile nina kuphela emindenini yonke yomhlaba; ngalokho ngiyakunihambela ngabo bonke ububi benu.

3Kuhamba ababili kanyekanye, uma bengavumelananga, na?

4Ingonyama iyabhodla ehlathini, ingenampango, na? Ibongo lengonyama liyezwakalisa izwi lalo emphandwini walo, uma lingabambanga lutho, na?

5Inyoni iwela ogibeni emhlabathini, ingenasihibe, na? Ugibe luyaxhuma emhlabathini, lungabambanga nokubamba, na?

6 Kungabethwa icilongo emzini, bangesabi abantu, na? Umuzi ungehlelwa ngokubi, engakwenzamga uJehova, na?

7 Ngokuba iNkosi uJehova ayenzi lutho, ingayambulanga imfihlakalo yayo ezincekwini zayo abaprofethi.

[8] Rugiu o leão, quem não temerá? Falou o SENHOR Deus, quem não profetizará?

[8]Ingonyama ibhongile, ngubani ongayikwesaba na? INkosi uJehova ikhulumile, ngubani ongayikuprofetha na?

Ukwahlulelwa kweSamariya

[9] Fazei ouvir isto nos castelos de Asdode e nos castelos da terra do Egito e dizei: Ajuntai-vos sobre os montes de Samaria e vede que grandes tumultos há nela e que opressões há no meio dela.

[9]Zwakalisani ezindlini zamakhosi zase-Ashidodi, nasezindlini zamakhosi zasezweni laseGibithe, nithi: Buthanani ezintabeni zaseSamariya, nibone izidumo ezinkulu eziphakathi kwalo, nokucindezelwa okukulo.

[10] Porque Israel não sabe fazer o que é reto, diz o SENHOR, e entesoura nos seus castelos a violência e a devastação.

[10] Ngokuba abakwazi ukwenza okulungileyo, usho uJehova; babekelela ubudlova nokuphanga ezindlini zabo zamakhosi.

[11] Portanto, assim diz o SENHOR Deus: Um inimigo cercará a tua terra, derribará a tua fortaleza, e os teus castelos serão saqueados.

[11]Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Isitha siyakulihaqa izwe, sehlise kini izinqaba zenu, ziphangwe izindlu zenu zamakhosi.

[12] Assim diz o SENHOR: Como o pastor livra da boca do leão as duas pernas ou um pedacinho da orelha, assim serão salvos os filhos de Israel que habitam em Samaria com apenas o canto da cama e parte do leito.

[12]Usho kanje uJehova, uthi: Njengalokhu umalusi ophula emlonyeni wengonyama imilenze emibili noma inxenye yendlebe, kanjalo abantwana bakwa-Israyeli bayakophulwa, abahlala eSamariya ezingosini zezihlalo naphezu kwezingubo zikasilika zemibhede.

[13] Ouvi e protestai contra a casa de Jacó, diz o SENHOR Deus, o Deus dos Exércitos:

[13] Yizwani, nifakaze ngendlu kaJakobe, isho iNkosi uJehova, uNkulunkulu Sebawoti.

[14] No dia em que eu punir Israel, por causa das suas transgressões, visitarei também os altares de Betel; e as pontas do altar serão cortadas e cairão por terra.

[14] Ngokuba mhla ngiyakumhambela u-Israyeli ngeziphambeko zakhe, ngiyakuhambela nama-altare aseBethele, kunqunywe izimpondo ze-altare, ziwe phansi.

[15] Derribarei a casa de inverno com a casa de verão; as casas de marfim perecerão, e

[15] Ngiyakushaya indlu yasebusika kanye nendlu yasehlobo, kuphele izindlu

as grandes casas serão destruídas, diz o SENHOR.

Amós 4

Ameaças contra as mulheres de Samaria

[1] Ouvi esta palavra, vacas de Basã, que estais no monte de Samaria, oprimis os pobres, esmagais os necessitados e dizeis a vosso marido: Dá cá, e bebamos.

[2] Jurou o SENHOR Deus, pela sua santidade, que dias estão para vir sobre vós, em que vos levarão com anzóis e as vossas restantes com fisga de pesca.

[3] Saireis cada uma em frente de si pelas brechas e vos lançareis para Hermom, disse o SENHOR.

A cegueira espiritual de Israel

[4] Vinde a Betel e transgredi, a Gilgal, e multiplicai as transgressões; e, cada manhã, trazei os vossos sacrifícios e, de três em três dias, os vossos dízimos;

[5] e oferecei sacrifício de louvores do que é levedado, e apregoai ofertas voluntárias, e publicai-as, porque disso gostais, ó filhos de Israel, disse o SENHOR Deus.

[6] Também vos deixei de dentes limpos em todas as vossas cidades e com falta de pão em todos os vossos lugares; contudo, não vos convertestes a mim, disse o SENHOR.

[7] Além disso, retive de vós a chuva, três meses ainda antes da ceifa; e fiz chover

zophondo lwendlovu, yebo, izindlu eziningi ziyakuphela, usho uJehova.

U-Amose 4

Amazwi ngabesifazane baseSamariya

[1]Yizwani leli zwi, nina zinkomo zaseBashani enisentabeni yaseSamariya, enicindezela abaphansi, enichoboza abampofu, enithi emakhosini enu: Lethani, siphuze.

[2] INkosi uJehova ifungile ubungcwele bayo ukuthi: Bhekani, izinsuku ziyakunehlela lapho niyakususwa ngezingwegwe, nabaseleyo kini ngezindobo.

[3] Niyakuphuma emifantwini, kube yilowo nalowo ngoqondene naye, nilahlwe eHermoni, usho uJehova.

U-Israyeli akafundi

[4] Wozani eBethele, niphambeke, naseGiligali, nandise iziphambeko, nilethe imihlatshelo yenu ekuseni njalo, nokweshumi kwenu kanye ngezinsuku ezintathu,

[5] nishise umnikelo wokubonga ngokuvutshelweyo, nimemezele iminikelo yesihle, niyizwakalise, ngokuba nithanda kanjalo, bantwana bakwa-Israyeli, isho iNkosi uJehova.

[6] Mina nganinika ukuhlanzeka kwamazinyo emizini yenu yonke nokuswela isinkwa kuzo zonke izindawo zenu, kepha anibuyelanga kimi, usho uJehova.

[7] Futhi ngagodla kini imvula, kusasele izinyanga ezintathu ukuba kuvunwe,

sobre uma cidade e sobre a outra, não; um campo teve chuva, mas o outro, que ficou sem chuva, se secou.

[8] Andaram duas ou três cidades, indo a outra cidade para beberem água, mas não se saciaram; contudo, não vos convertestes a mim, disse o SENHOR.

[9] Feri-vos com o crestamento e a ferrugem; a multidão das vossas hortas, e das vossas vinhas, e das vossas figueiras, e das vossas oliveiras, devorou-a o gafanhoto; contudo, não vos convertestes a mim, disse o SENHOR.

[10] Enviei a peste contra vós outros à maneira do Egito; os vossos jovens, matei-os à espada, e os vossos cavalos, deixei-os levar presos, e o mau cheiro dos vossos arraiais fiz subir aos vossos narizes; contudo, não vos convertestes a mim, disse o SENHOR.

[11] Subverti alguns dentre vós, como Deus subverteu a Sodoma e Gomorra, e vós fostes como um tição arrebatado da fogueira; contudo, não vos convertestes a mim, disse o SENHOR.

[12] Portanto, assim te farei, ó Israel! E, porque isso te farei, prepara-te, ó Israel, para te encontrares com o teu Deus.

[13] Porque é ele quem forma os montes, e cria o vento, e declara ao homem qual é o seu pensamento; e faz da manhã trevas e

ngalinisa phezu komunye umuzi, komunye umuzi angilinisanga; esinye isiqephu saniselwa, nesiqephu esinganiselwanga sasha.

[8]Kwase kuhamba imizi emibili noma emithathu, yaya komunye umuzi ukuyophuza amanzi, kodwa ayaneliswanga; kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

[9] Nganishaya ngokuhamuka nesikhutha; izivande zenu, nezivini zenu, nemikhiwane yenu, neminqumo yenu eminingi kwadliwa yisibotho, kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

[10] Nganithumela isifo ngendlela yaseGibithe, ngazibulala izinsizwa zenu ngenkemba, ngathumba amahhashi enu, ngenza ukuba ukunuka kwekamu lenu kukhuphukele nasemakhaleni enu, kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

[11] Nganichitha njengalokho uNkulunkulu achitha iSodoma neGomora; naninjengesikhuni esophulwe emlilweni, kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

[12] Ngalokho ngiyakwenze njalo kuwe Israyeli; njengokuba ngiyakwenza lokhu kuwe, zilungiselele ukuhlangana noNkulunkulu wakho, Israyeli.

[13] Ngokuba bheka, owabumba izintaba, nowawudala umoya, otshela umuntu umqondo wakhe, owenza ukusa kube ngubumnyama, onyathela ezindaweni

pisa os altos da terra; SENHOR, Deus dos Exércitos, é o seu nome.

Amós 5

Buscai a Deus e vivei

1 Ouvi esta palavra que levanto como lamentação sobre vós, ó casa de Israel:
2 Caiu a virgem de Israel, nunca mais tornará a levantar-se; estendida está na sua terra, e não há quem a levante.

3 Porque assim diz o SENHOR Deus: A cidade da qual saem mil conservará cem, e aquela da qual saem cem conservará dez à casa de Israel.

4 Pois assim diz o SENHOR à casa de Israel: Buscai-me e vivei.
5 Porém não busqueis a Betel, nem venhais a Gilgal, nem passeis a Berseba, porque Gilgal, certamente, será levada cativa, e Betel será desfeita em nada.
6 Buscai ao SENHOR e vivei, para que não irrompa na casa de José como um fogo que a consuma, e não haja em Betel quem o apague.
7 Vós que converteis o juízo em alosna e deitais por terra a justiça,

8 procurai o que faz o Sete-estrelo e o Órion, e torna a densa treva em manhã, e muda o dia em noite; o que chama as águas do mar e as derrama sobre a terra; SENHOR é o seu nome.

9 É ele que faz vir súbita destruição sobre o forte e ruína contra a fortaleza.

eziphakemeyo zomhlaba, igama lakhe linguJehova, uNkulunkulu Sebawoti.

U-Amose 5

U-Israyeli uyabizwa ukuba aphenduke

1Zwanini leli zwi engiliphakamisa phezu kwenu libe yisililo ngendlu ka-Israyeli.
2 Iwile intombi yakwa-Israyeli, ayisayikuvuka; iphonsiwe phansi, akakho ongayivusa.
3Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Umuzi owaphuma uyinkulungwane uyakushiya ikhulu, nowaphuma uyikhulu uyakushiya ishumi kuyo indlu yakwa-Israyeli.
4 Ngokuba usho kanje uJehova kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Ngifuneni, niphile.
5 Kepha ningalifuni iBethele, ningangeni eGiligali, ningadluleli eBeri Sheba, ngokuba iGiligali liyakuthunjwa nokuthunjwa, neBethele liyakuba yize.

6Funani uJehova, niphile, funa afikele indlu kaJosefa njengomlilo, udle, kungekho owucimayo eBethele.

7 Nina enihlanekezela ukwahlulela kube ngumhlonyane, nilahle phansi ukulunga;
8 nimfune owenza isiLimela neMpambano, ophendula ithunzi lokufa libe ngukusa, ayenze imini ibe mnyama njengobusuku, obiza amanzi olwandle, awathululele ebusweni bomhlaba nguJehova igama lakhe
9owenza ukuchitha ukuba kunyazime phezu kwabanamandla, nencithakalo ukuba yehlele izinqaba.

[10] Aborreceis na porta ao que vos repreende e abominais o que fala sinceramente.

[11] Portanto, visto que pisais o pobre e dele exigis tributo de trigo, não habitareis nas casas de pedras lavradas que tendes edificado; nem bebereis do vinho das vides desejáveis que tendes plantado.

[12] Porque sei serem muitas as vossas transgressões e graves os vossos pecados; afligis o justo, tomais suborno e rejeitais os necessitados na porta.

[13] Portanto, o que for prudente guardará, então, silêncio, porque é tempo mau.

[14] Buscai o bem e não o mal, para que vivais; e, assim, o SENHOR, o Deus dos Exércitos, estará convosco, como dizeis.

[15] Aborrecei o mal, e amai o bem, e estabelecei na porta o juízo; talvez o SENHOR, o Deus dos Exércitos, se compadeça do restante de José.

[16] Portanto, assim diz o SENHOR, o SENHOR, Deus dos Exércitos: Em todas as praças haverá pranto; e em todas as ruas dirão: Ai! Ai! E ao lavrador chamarão para o pranto e, para o choro, os que sabem prantear.

[17] Em todas as vinhas haverá pranto, porque passarei pelo meio de ti, diz o SENHOR.

[10]Bayamzonda ofakazela ukulunga esangweni; okhuluma ubuqotho banengwa nguye.

[11] Ngalokho, ngokuba ninyathela abampofu, namukele kuye isipho samabele, noma nakha izindlu ngamatshe abaziweyo aniyikuhlala kuzo, nokuba nitshala izivini ezinhle aniyikuphuza iwayini lazo.

[12]Ngokuba ngiyazi ukuthi iziphambeko zenu ziningi nokuthi izono zenu zinkulu, nina enicindezela abalungileyo, namukela umvuzo, nenichezukisa abampofu esangweni.

[13] Ngalokho ohlakaniphileyo uyakuthula ngaleso sikhathi, ngokuba kuyisikhathi esibi lesi.

[14]Funani okuhle, hhayi okubi, ukuze niphile, abe nani uJehova uNkulunkulu Sebawoti kanjalo, njengalokhu nisho.

[15] Zondani okubi, nithande okuhle, nimise ukwahlulela esangweni; mhlawumbe uJehova uNkulunkulu Sebawoti uyakuba nomusa kuyo insali yakwaJosefa.

[16] Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, iNkosi, uthi: Ezigcawini zonke kuyakuba khona ukukhala, nakuzo zonke izitaladi bayakusho ukuthi: Maye, maye! babize umlimi ukuba akhale, nabaziyo izililo ukuba balile;

[17]nakuzo zonke izivini kuyakuba khona ukukhala, ngokuba ngiyakudlula phakathi kwakho, usho uJehova.

Usuku lukaJehova

[18] Ai de vós que desejais o Dia do SENHOR! Para que desejais vós o Dia do SENHOR? É dia de trevas e não de luz.
[19] Como se um homem fugisse de diante do leão, e se encontrasse com ele o urso; ou como se, entrando em casa, encostando a mão à parede, fosse mordido de uma cobra.
[20] Não será, pois, o Dia do SENHOR trevas e não luz? Não será completa escuridão, sem nenhuma claridade?

Deus exige justiça e não sacrifícios

[21] Aborreço, desprezo as vossas festas e com as vossas assembléias solenes não tenho nenhum prazer.
[22] E, ainda que me ofereçais holocaustos e vossas ofertas de manjares, não me agradarei deles, nem atentarei para as ofertas pacíficas de vossos animais cevados.
[23] Afasta de mim o estrépito dos teus cânticos, porque não ouvirei as melodias das tuas liras.

[24] Antes, corra o juízo como as águas; e a justiça, como ribeiro perene.

[25] Apresentastes-me, vós, sacrifícios e ofertas de manjares no deserto por quarenta anos, ó casa de Israel?
[26] Sim, levastes Sicute, vosso rei, Quium, vossa imagem, e o vosso deus-estrela, que fizestes para vós mesmos.

[27] Por isso, vos desterrarei para além de Damasco, diz o SENHOR, cujo nome é Deus dos Exércitos.

[18] Wo kinina enifisa usuku lukaJehova! Luyakunisizani usuku lukaJehova? Lungubumnyama, alusikho ukukhanya.

[19]Kunjengalokhu umuntu ebalekela ingonyama, kuhlangane naye ibhere, noma engena endlini encike ngesandla odongeni, alunywe yinyoka.

[20]Lungubumyama usuku lukaJehova, alusikho ukukhanya, nesigayegaye okungekho kuso ukukhazimula.

[21] Ngiyayizonda, ngiyayidelela imikhosi yenu, angenameli imihlangano yenu.

[22] Noma ninikela kimi ngeminikelo yenu yokushiswa kanye neminikelo yenu yempuphu, angiyenameli, futhi angibheki iminikelo yenu yokubonga yamathole akhuluphalisiweyo.

[23]Susa kimi umsindo wezihlabelelo zakho, angiyikuzwa imvunge yezingubhu zakho.

[24]Kepha ukwahlulela makugobhoze njengamanzi, nokulunga njengomfula onganqamukiyo.
[25] Naletha kimi imihlatshelo neminikelo yempuphu ehlane iminyaka engamashumi amane, nina ndlu ka-Israyeli, na?
[26] Seniyakuthwala uSakuti inkosi yenu noKhewani inkanyezi kankulunkulu wenu, izithombe zenu enizenzele zona.
[27]Ngiyakunenza ukuba nithunjelwe ngaphesheya kweDamaseku, usho uJehova ogama lakhe linguNkulunkulu Sebawoti.

Amós 6

A corrupção e a destruição de Israel

[1] Ai dos que andam à vontade em Sião e dos que vivem sem receio no monte de Samaria, homens notáveis da principal das nações, aos quais vem a casa de Israel!

[2] Passai a Calné e vede; e, dali, ide à grande Hamate; depois, descei a Gate dos filisteus; sois melhores que estes reinos? Ou será maior o seu território do que o vosso território?

[3] Vós que imaginais estar longe o dia mau e fazeis chegar o trono da violência;

[4] que dormis em camas de marfim, e vos espreguiçais sobre o vosso leito, e comeis os cordeiros do rebanho e os bezerros do cevadouro;

[5] que cantais à toa ao som da lira e inventais, como Davi, instrumentos músicos para vós mesmos;

[6] que bebeis vinho em taças e vos ungis com o mais excelente óleo, mas não vos afligis com a ruína de José.

[7] Portanto, agora, ireis em cativeiro entre os primeiros que forem levados cativos, e cessarão as pândegas dos espreguiçadores.

[8] Jurou o SENHOR Deus por si mesmo, o SENHOR, Deus dos Exércitos, e disse: Abomino a soberba de Jacó e odeio os seus castelos; e abandonarei a cidade e tudo o que nela há.

[9] Se numa casa ficarem dez homens, também esses morrerão.

U-Amose 6

Ukuchithwa kweSamariya

[1]Wo kwabazinzileyo eSiyoni, nabalondekile entabeni yaseSamariya, abaqhamileyo besokuqala sezizwe, efika kubo indlu yakwa-Israyeli!

[2]Dlulelani eKaline, nibone; nisuke lapho, niye eHamati elikhulu, bese nehlela eGati lamaFilisti; bahle kunale mibuso yini, umkhawulo wabo mkhulu kunomkhawulo wenu na?

[3] nina enidedisela kude usuku olubi, kepha nisondezile isihlalo sobudlova.

[4]Balele emibhedeni yophondo lwendlovu, bacambalala ezinkukhweni zabo; badla amawundlu omhlambi namathole avela phakathi kwesibaya.

[5] Bahaya ngomsindo wogubhu, baziqambela izinto zokubethwa njengoDavide.

[6]Baphuza imikhele yewayini, bazigcoba ngamafutha amahle, kepha abadabuki ngokuchithwa kukaJosefa.

[7]Ngalokho sebeyakuthunjwa phakathi kwabokuqala abathunjwayo, kusuke ukuxokozela kwabacambalalayo.

[8] INkosi uJehova izifungile, usho uJehova uNkulunkulu Sebawoti, yathi: Ngiyanengwa ngukuzidla kukaJakobe, ngizonda izindlu zakhe zamakhosi; ngiyakukhaphela umuzi nokugcwala kwawo.

[9]Kuyakuthi uma kusele amadoda ayishumi endlini inye, afe.

[10] Se, porém, um parente chegado, o qual os há de queimar, toma os cadáveres para os levar fora da casa e diz ao que estiver no seu mais interior: Haverá outro contigo? E este responder: Não há; então, lhe dirá: Cala-te, não menciones o nome do SENHOR.

[11] Pois eis que o SENHOR ordena, e será destroçada em ruínas a casa grande, e a pequena, feita em pedaços.

[12] Poderão correr cavalos na rocha? E lavrá-la com bois? No entanto, haveis tornado o juízo em veneno e o fruto da justiça, em alosna.

[13] Vós vos alegrais com Lo-Debar e dizeis: Não é assim que, por nossas próprias forças, nos apoderamos de Carnaim?

[14] Pois eis que levantarei sobre vós, ó casa de Israel, uma nação, diz o SENHOR, Deus dos Exércitos, a qual vos oprimirá, desde a entrada de Hamate até ao ribeiro da Arabá.

Amós 7

A visão do gafanhoto, do fogo e do prumo

[1] Isto me fez ver o SENHOR Deus: eis que ele formava gafanhotos ao surgir o rebento da erva serôdia; e era a erva serôdia depois de findas as ceifas do rei.

[2] Tendo eles comido de todo a erva da terra, disse eu: SENHOR Deus, perdoa, rogo-te; como subsistirá Jacó? Pois ele é pequeno.

[10] Lapho umngane womuntu emphakamisa kanye noshisayo ukuba bakhiphe amathambo endlini, abesesho kophakathi kwendlu impela ukuthi: Kusekhona muntu kuwe na? yena esephendula athi: Akusekho, khona wothi: Thula, ngokuba asinakuthinta igama likaJehova.

[11]Ngokuba bhekani, uJehova uyayaleza: uyakushaya indlu enkulu ibe yizihlephu, nendlu encane ibe yizingcezu.

[12] Amahhashi ayagijima emadwaleni, kulinywa elwandle ngezinkabi, na? Ngokuba niphendulile ukwahlulela kwaba yisihlungu, nezithelo zokulunga zaba ngumhlonyane,

[13] nina enithokoza ngento engelutho, nithi: Asizithathelanga izimpondo ngamandla ethu na?

[14] Ngokuba bhekani, ngiyakunivusela isizwe nina ndlu ka-Israyeli, usho uJehova uNkulunkulu Sebawoti; bayakunicindezela kusukela ekuyeni eHamati kuze kube semfuleni wase-Araba.

U-Amose 7

Umbono ngezinkumbi

[1]INkosi uJehova yangibonisa kanje: bheka, yayenza isikhonyane ekuqaleni kokumila kotshani bamuva; bheka, kwakungutshani bamuva emva kokusika kwenkosi.

[2]Kwathi lapho sesidlile utshani bezwe, ngathi: Nkosi Jehova, ake uthethelele; uJakobe uyakuma kanjani, ngokuba mncane.

[3] Então, o SENHOR se arrependeu disso. Não acontecerá, disse o SENHOR.

[3]UJehova wazisola ngalokhu. Akuyikubakho, usho uJehova.

Umbono ngomlilo eqedayo

[4] Isto me mostrou o SENHOR Deus: eis que o SENHOR Deus chamou o fogo para exercer a sua justiça; este consumiu o grande abismo e devorava a herança do SENHOR.

[4]Yayisingibonisa kanje iNkosi uJehova: bheka, iNkosi uJehova yabiza ukulwa ngomlilo; wadla utwa olukhulu, wawusuyakudla futhi isabelo sikaJehova.

[5] Então, disse eu: SENHOR Deus, cessa agora; como subsistirá Jacó? Pois ele é pequeno.

[5]Ngase ngithi: Nkosi Jehova, mawuyeke; uJakobe uyakuma kanjani, ngokuba mncane.

[6] E o SENHOR se arrependeu disso. Também não acontecerá, disse o SENHOR Deus.

[6]UJehova wazisola ngalokhu. Akuyikubakho, isho iNkosi uJehova.

Umbono ngentambo yomthofu

[7] Mostrou-me também isto: eis que o SENHOR estava sobre um muro levantado a prumo; e tinha um prumo na mão.

[7] Wayesengibonisa kanje: bheka, iNkosi yayimi ngasogangeni olwakhiwe ngentambo yomthofu wokumisa, enentambo yomthofu wokumisa esandleni sakhe.

[8] O SENHOR me disse: Que vês tu, Amós? Respondi: Um prumo. Então, me disse o SENHOR: Eis que eu porei o prumo no meio do meu povo de Israel; e jamais passarei por ele.

[8] UJehova wathi kimi: Amose, ubonani na? Ngathi: Intambo yomthofu wokumisa. Yayisithi iNkosi: Bhekani, ngiyakubeka intambo yomthofu wokumisa phakathi kwabantu bami u-Israyeli; angisayikubadlula.

[9] Mas os altos de Isaque serão assolados, e destruídos, os santuários de Israel; e levantar-me-ei com a espada contra a casa de Jeroboão.

[9] Izindawo eziphakemeyo zika-Isaka ziyakuchithwa, nezindlu ezingcwele zakwa-Israyeli ziyakuqothulwa, ngivukele indlu kaJerobowamu ngenkemba.

Amós acusado como conspirador

[10] Então, Amazias, o sacerdote de Betel, mandou dizer a Jeroboão, rei de Israel: Amós tem conspirado contra ti, no meio da casa de Israel; a terra não pode sofrer todas as suas palavras.

O-Amasiya no-Amose

[10]U-Amasiya umpristi waseBethele wayesethumela kuJerobowamu inkosi yakwa-Israyeli, wathi: U-Amose ukwenzele ugobe phakathi kwendlu yakwa-Israyeli; izwe alinakuthwala onke amazwi akhe.

[11] Porque assim diz Amós: Jeroboão morrerá à espada, e Israel, certamente, será levado para fora de sua terra, em cativeiro.

[11]Ngokuba u-Amose ushilo kanje, wathi: UJerobowamu uyakufa ngenkemba, u-Israyeli athunjwe nokuthunjwa ezweni lakhe.

[12] Então, Amazias disse a Amós: Vai-te, ó vidente, foge para a terra de Judá, e ali come o teu pão, e ali profetiza;

[12] U-Amasiya wayesethi ku-Amose: Wena mboni, hamba, ubalekele ezweni lakwaJuda, udle khona isinkwa, uprofethe khona;

[13] mas em Betel, daqui por diante, já não profetizarás, porque é o santuário do rei e o templo do reino.

[13]ungabe usaqhubeka kodwa ukuprofetha eBethele, ngokuba liyindlu engcwele yenkosi nendlu yombuso.

[14] Respondeu Amós e disse a Amazias: Eu não sou profeta, nem discípulo de profeta, mas boieiro e colhedor de sicômoros.

[14] Wayesephendula u-Amose, wathi ku-Amasiya: Angisiye umprofethi mina, nendodana yomprofethi angisiyo, kepha ngangingumalusi, ngangitshala imithombe.

[15] Mas o SENHOR me tirou de após o gado e o SENHOR me disse: Vai e profetiza ao meu povo de Israel.

[15]Kepha uJehova wangisusa ekulandeleni umhlambi; uJehova wathi kimi: Hamba uprofethe kubantu bami u-Israyeli.

[16] Ora, pois, ouve a palavra do SENHOR. Tu dizes: Não profetizarás contra Israel, nem falarás contra a casa de Isaque.

[16]Manje yizwa izwi likaJehova lokuthi: Wena uthi: Ungaprofethi ngo-Israyeli, ungaconsisi izwi lakho phezu kwendlu ka-Isaka.

[17] Portanto, assim diz o SENHOR: Tua mulher se prostituirá na cidade, e teus filhos e tuas filhas cairão à espada, e a tua terra será repartida a cordel, e tu morrerás na terra imunda, e Israel, certamente, será levado cativo para fora da sua terra.

[17] Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Umkakho uyakufeba emzini, namadodana akho namadodakazi akho ayakuwa ngenkemba, nezwe liyakudatshulwa ngentambo; wena uyakufela ezweni elingcolileyo, u-Israyeli athunjwe nokuthunjwa ezweni lakhe.

Amós 8

A visão de um cesto de frutos

[1] O SENHOR Deus me fez ver isto: eis aqui um cesto de frutos de verão.

U-Amose 8

Umbono ngezithelo zasehlobo

[1]INkosi uJehova yayisingibonisa kanje: bheka, nanto iqoma lezithelo zasehlobo.

2 E perguntou: Que vês, Amós? E eu respondi: Um cesto de frutos de verão. Então, o SENHOR me disse: Chegou o fim para o meu povo de Israel; e jamais passarei por ele.

3 Mas os cânticos do templo, naquele dia, serão uivos, diz o SENHOR Deus; multiplicar-se-ão os cadáveres; em todos os lugares, serão lançados fora. Silêncio!

A ruína de Israel está perto

4 Ouvi isto, vós que tendes gana contra o necessitado e destruís os miseráveis da terra,

5 dizendo: Quando passará a Festa da Lua Nova, para vendermos os cereais? E o sábado, para abrirmos os celeiros de trigo, diminuindo o efa, e aumentando o siclo, e procedendo dolosamente com balanças enganadoras,

6 para comprarmos os pobres por dinheiro e os necessitados por um par de sandálias e vendermos o refugo do trigo?

7 Jurou o SENHOR pela glória de Jacó: Eu não me esquecerei de todas as suas obras, para sempre!

8 Por causa disto, não estremecerá a terra? E não se enlutará todo aquele que habita nela? Certamente, levantar-se-á toda como o Nilo, será agitada e abaixará como o rio do Egito.

9 Sucederá que, naquele dia, diz o SENHOR Deus, farei que o sol se ponha ao meio-dia e entenebrecerei a terra em dia claro.

2 Yathi: Amose, ubonani na? Ngathi: Iqoma lezithelo zasehlobo. Wayesethi uJehova kimi: Ukuphela sekufikile kubantu bami u-Israyeli; angisayikumdlula.

3 Izihlabelelo zethempeli ziyakuba ngukuhhewula ngalolo suku, isho iNkosi uJehova; izidumbu ziyakuba ziningi, zilahlwe ezindaweni zonke. Thulani!

Ukwahlulelwa kwabathengisi abakhohlisayo

4 Yizwani lokhu nina enigwinya abampofu, nenichitha abaswelayo bezwe,

5 nithi: Kuyakudlula nini ukwethwasa kwenyanga ukuba sithengise ngamabele, nesabatha ukuba sikhiphe ukolweni, senze i-efa libe lincane, senze ishekeli libe likhulu, senze izilinganiso ukuba zikhohlise,

6 ukuze sithenge abampofu ngesiliva nabaswelayo ngamabhangqa ezicathulo, sithengise ngamahlunge kakolweni.

7 UJehova ufungile ukuziqhenya kukaJakobe ngokuthi: Impela angiyikukhohlwa kuze kube phakade nesisodwa sezenzo zabo.

8 Umhlaba awuyikuqhaqhazela ngalokho, balile bonke abakhileyo kuwo, na? Yebo, uyakukhukhumala wonke njengeNayile, unyakaze, ubuye ubohle njengomfula waseGibithe.

9 Kuyakuthi ngalolo suku, isho iNkosi uJehova, ngilishonise ilanga emini, ngenze ukuba kube mnyama emhlabeni emini ekhanyayo.

[10] Converterei as vossas festas em luto e todos os vossos cânticos em lamentações; porei pano de saco sobre todos os lombos e calva sobre toda cabeça; e farei que isso seja como luto por filho único, luto cujo fim será como dia de amarguras.

[11] Eis que vêm dias, diz o SENHOR Deus, em que enviarei fome sobre a terra, não de pão, nem sede de água, mas de ouvir as palavras do SENHOR.

[12] Andarão de mar a mar e do Norte até ao Oriente; correrão por toda parte, procurando a palavra do SENHOR, e não a acharão.

[13] Naquele dia, as virgens formosas e os jovens desmaiarão de sede,

[14] os que, agora, juram pelo ídolo de Samaria e dizem: Como é certo viver o teu deus, ó Dã! E: Como é certo viver o culto de Berseba! Esses mesmos cairão e não se levantarão jamais.

Amós 9

Os juízos de Deus são inevitáveis

[1] Vi o SENHOR, que estava em pé junto ao altar; e me disse: Fere os capitéis, e estremecerão os umbrais, e faze tudo em pedaços sobre a cabeça de todos eles; matarei à espada até ao último deles; nenhum deles fugirá, e nenhum escapará.

[10] Ngiyakuphendula imikhosi yenu ibe ngukukhala, nezihlabelelo zenu zonke zibe yizililo, ngibeke izindwangu zamasaka ezinkalweni zonke, nobumpandla kuwo onke amakhanda, ngikwenze kube njengokulilela indodana eyodwa, ukuphela kwakho kube njengosuku olumunyu.

Indlala yezwi likaNkulunkulu

[11] Bhekani, izinsuku ziyeza, isho iNkosi uJehova, lapho ngiyakuthuma indlala ezweni, kungabi yindlala yezinkwa, kungabi ngukomela amanzi, kepha kube ngeyokuzwa amazwi kaJehova.

[12]Bayakuzulazula kusukela elwandle kuze kube selwandle, kusukela enyakatho kuze kube sempumalanga, bahambahambe ukufuna izwi likaJehova, kepha abayikulifumana.

[13] Ngalolo suku izintombi ezinhle nezinsizwa ziyakudangala ukoma.

[14] Abafunga icala laseSamariya, bathi: Kuphila kukankulunkulu wakho, Dani, nokuthi: Kuphila kothandiweyo wakho, Beri Sheba, bayakuwa, bangabe besavuka.

U-Amose 9

Ukuwa kwethempeli

[1] Ngayibona iNkosi imi ngase-altare, yathi: Shaya izihloko zezinsika, ukuze imigulugulu izamazame, uzaphule phezu kwamakhanda abo bonke; abaseleyo babo ngiyakubabulala ngenkemba; obalekayo kubo akayikubaleka, nophunyukayo kubo akayikuphunyuka.

[2] Ainda que desçam ao mais profundo abismo, a minha mão os tirará de lá; se subirem ao céu, de lá os farei descer.

[3] Se se esconderem no cimo do Carmelo, de lá buscá-los-ei e de lá os tirarei; e, se dos meus olhos se ocultarem no fundo do mar, de lá darei ordem à serpente, e ela os morderá.

[4] Se forem para o cativeiro diante de seus inimigos, ali darei ordem à espada, e ela os matará; porei os olhos sobre eles, para o mal e não para o bem.

[5] Porque o SENHOR, o SENHOR dos Exércitos, é o que toca a terra, e ela se derrete, e todos os que habitam nela se enlutarão; ela subirá toda como o Nilo e abaixará como o rio do Egito.

[6] Deus é o que edifica as suas câmaras no céu e a sua abóbada fundou na terra; é o que chama as águas do mar e as derrama sobre a terra; SENHOR é o seu nome.

[7] Não sois vós para mim, ó filhos de Israel, como os filhos dos etíopes? – diz o SENHOR. Não fiz eu subir a Israel da terra do Egito, e de Caftor, os filisteus, e de Quir, os siros?

[8] Eis que os olhos do SENHOR Deus estão contra este reino pecador, e eu o destruirei de sobre a face da terra; mas não destruirei de todo a casa de Jacó, diz o SENHOR.

[2] Noma befohla endaweni yabafileyo, isandla sami siyakubakhipha khona; noma bekhuphukela ezulwini, ngiyakubehlisa khona.

[3] Noma becasha esiqongweni saseKarmeli, ngiyakubafunisisa, ngibakhiphe khona; nakuba befihlekile emehlweni ami phakathi kolwandle, ngiyakuyala inyoka ukuba iphume khona, ibalume.

[4] Noma beya ekuthunjweni phambi kwezitha zabo, ngiyakubiza inkemba ukuba iphume khona, ibabulale, ngibeke amehlo ami kubo kube kubi, kungabi kuhle.

[5] INkosi uNkulunkulu Sebawoti yiyo ethinta umhlaba, uncibilike, bakhale bonke abakhileyo kuwo; uyakukhukhumala wonke njengeNayile, ubuye ubohle njengomfula waseGibithe;

[6] yiyona ewakhayo amakamelo ayo aphezulu ezulwini, isekele igobela lawo emhlabeni; yiyona ewabizayo amanzi olwandle, iwathululele ebusweni bomhlaba; nguJehova igama layo.

[7] Aninjengabantwana bakwaKushe kimi, nina bantwana bakwa-Israyeli, na? usho uJehova. Angikhuphulanga u-Israyeli ezweni laseGibithe, namaFilisti eKafitori, nama-Aramu eKhiri, na?

Insali

[8] Bhekani, amehlo eNkosi uJehova akuwo umbuso owonayo; ngiyakuwuchitha ebusweni bomhlaba, ngingachithi nokho ngokupheleleyo indlu kaJakobe, usho uJehova.

[9] Porque eis que darei ordens e sacudirei a casa de Israel entre todas as nações, assim como se sacode trigo no crivo, sem que caia na terra um só grão.

[10] Todos os pecadores do meu povo morrerão à espada, os quais dizem: O mal não nos alcançará, nem nos encontrará.

Restauração do Israel espiritual

[11] Naquele dia, levantarei o tabernáculo caído de Davi, repararei as suas brechas; e, levantando-o das suas ruínas, restaurá-lo-ei como fora nos dias da antiguidade;

[12] para que possuam o restante de Edom e todas as nações que são chamadas pelo meu nome, diz o SENHOR, que faz estas coisas.

[13] Eis que vêm dias, diz o SENHOR, em que o que lavra segue logo ao que ceifa, e o que pisa as uvas, ao que lança a semente; os montes destilarão mosto, e todos os outeiros se derreterão.

[14] Mudarei a sorte do meu povo de Israel; reedificarão as cidades assoladas e nelas habitarão, plantarão vinhas e beberão o seu vinho, farão pomares e lhes comerão o fruto.

[15] Plantá-los-ei na sua terra, e, dessa terra que lhes dei, já não serão arrancados, diz o SENHOR, teu Deus.

[9] Ngokuba bheka, ngiyakuyaleza, ngizulazulise indlu yakwa-Israyeli phakathi kwabo bonke abezizwe, njengalokhu kuhlungwa ngesihlungo, kepha akuyikuwela nembewu eyodwa emhlabathini.

[10] Zonke izoni zabantu bami ziyakufa ngenkemba, zona ezithi: Okubi akuyikusondela kithina, kusehlele.

Ukubuyiswa kuka-Israyeli

[11] Ngalolo suku ngiyakumisa idokodo likaDavide eliwileyo, ngivale imifantu yalo; ngiyakumisa izihlephu zalo, ngilakhe njengasezinsukwini zasendulo,

[12] ukuze badle ifa lensali yakwa-Edomi nelezizwe zonke ezabizwa ngegama lami, usho uJehova okwenza lokhu.

[13] Bhekani, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho olimayo eyakufica ovunayo, nonyathela izithelo zomvini ohlwanyela imbewu; izintaba ziyakuconsa iwayini, amagquma onke ancibilike.

[14] Ngiyakubuyisa ukuthunjwa kwabantu bami u-Israyeli, bakhe imizi echithekileyo, bahlale kuyo; bayakutshala izivini, baphuze iwayini lazo; bayakwenza nezivande, badle izithelo zazo.

[15] Ngiyakubatshala ezweni labo, bangabe besasishulwa ezweni labo engibanike lona, usho uJehova uNkulunkulu wakho.

Obadias

Obadias 1

Os pecados e o castigo de Edom
Jeremias 49.14-16

[1] Visão de Obadias. Assim diz o SENHOR Deus a respeito de Edom: Temos ouvido as novas do SENHOR, e às nações foi enviado um mensageiro que disse: Levantai-vos, e levantemo-nos contra Edom, para a guerra.

[2] Eis que te fiz pequeno entre as nações; tu és mui desprezado.

[3] A soberba do teu coração te enganou, ó tu que habitas nas fendas das rochas, na tua alta morada, e dizes no teu coração: Quem me deitará por terra?

[4] Se te remontares como águia e puseres o teu ninho entre as estrelas, de lá te derribarei, diz o SENHOR.

[5] Se viessem a ti ladrões ou roubadores de noite (como estás destruído!), não furtariam só o que lhes bastasse? Se a ti viessem os vindimadores, não deixariam pelo menos alguns cachos?

[6] Como foram rebuscados os bens de Esaú! Como foram esquadrinhados os seus tesouros escondidos!

[7] Todos os teus aliados te levaram para fora dos teus limites; os que gozam da tua paz te enganaram, prevaleceram contra ti; os que comem o teu pão puseram armadilhas para teus pés; não há em Edom entendimento.

U-Obadiya

U-Obadiya 1

Isiprofetho ngo-Edomi

[1] Umbono ka-Obadiya. Isho kanje iNkosi uJehova ngo-Edomi, ithi: Sizwile imibiko evela kuJehova, kuthunyiwe isithunywa phakathi kwabezizwe ngokuthi: Vukani, simvukele ngokulwa.

[2] Bheka, ngiyakukwenza ube mncane phakathi kwabezizwe; udeleleke kakhulu.

[3]Ukuzidla kwenhliziyo yakho kukukhohlisile wena ohlezi emifantwini yamawa, ondawo yakho yokuhlala iphakeme, othi enhliziyweni yakho: Ngubani ongangehlisela phansi na?

[4] Noma uphakama njengokhozi, kubekwe isidleke sakho phakathi kwezinkanyezi, ngiyakukwehlisa khona, usho uJehova.

[5] Uma amasela efika kuwe, nabaphangi ebusuku yeka ukuchithwa kwakho bebengayikweba baze baneliswe na? Uma abavuna izithelo zomvini befika kuwe, bebengayikushiya umkhothozo na?

[6]Yeka ukufunisiswa kuka-Esawu, yeka ukuphenywa kwamagugu akhe afihliweyo!

[7]Bonke abantu besivumelwano sakho bayakukuxosha emkhawulweni; abantu ababehlalisana nawe ngokuthula bayakukukhohlisa, bakwahlule; abadla isinkwa sakho bayakubeka ugibe phansi kwakho; akakho oluqondayo.

[8] Não acontecerá, naquele dia, diz o SENHOR, que farei perecer os sábios de Edom e o entendimento do monte de Esaú?

[9] Os teus valentes, ó Temã, estarão atemorizados, para que, do monte de Esaú, seja cada um exterminado pela matança.

[10] Por causa da violência feita a teu irmão Jacó, cobrir-te-á a vergonha, e serás exterminado para sempre.

[11] No dia em que, estando tu presente, estranhos lhe levaram os bens, e estrangeiros lhe entraram pelas portas e deitaram sortes sobre Jerusalém, tu mesmo eras um deles.

[12] Mas tu não devias ter olhado com prazer para o dia de teu irmão, o dia da sua calamidade; nem ter-te alegrado sobre os filhos de Judá, no dia da sua ruína; nem ter falado de boca cheia, no dia da angústia;

[13] não devias ter entrado pela porta do meu povo, no dia da sua calamidade; tu não devias ter olhado com prazer para o seu mal, no dia da sua calamidade; nem ter lançado mão nos seus bens, no dia da sua calamidade;

[14] não devias ter parado nas encruzilhadas, para exterminares os que escapassem; nem ter entregado os que lhe restassem, no dia da angústia.

A restauração e felicidade de Israel

[15] Porque o Dia do SENHOR está prestes a vir sobre todas as nações; como tu fizeste,

[8] Angithi ngiyakuchitha abahlakaniphileyo kwa-Edomi ngalolo suku, usho uJehova, nokuqonda entabeni yakwa-Esawu, na?

[9]Amaqhawe akho, Themani, ayakuphela amandla, ukuze yilowo nalowo anqunywe entabeni yakwa-Esawu ngokubulawa.

[10] Ngenxa yendluzula eyenziwa kumfowenu uJakobe, amahloni ayakukusibekela, unqunywe kuze kube phakade.

[11] Ngosuku owema kude ngalo, ngosuku abafokazi abasusa ngalo imfuyo yakhe, nabezizwe bangena ngamasango akhe, benza inkatho ngeJerusalema, nawe wawunjengomunye wabo.

[12] Kepha ungabheki usuku lomfowenu ngosuku lobufokazi bakhe, ungathokozi ngabantwana bakwaJuda ngosuku lokuchithwa kwabo, ungaqhalazi ngosuku losizi.

[13] Ungangeni ngesango labantu bami ngosuku lwesigemegeme sabo, ungabheki ukuhlupheka kwabo ngosuku lwesigemegeme sabo, ningabeki sandla emfuyweni yabo ngosuku lwesigemegeme sabo.

[14]Ungemi enhlanganweni yezindlela ukunquma abaphunyukileyo bakhe, ungakhapheli abaseleyo bakhe ngosuku losizi.

[15] Ngokuba usuku lukaJehova lusondele ezizweni zonke; njengokwenza kwakho

assim se fará contigo; o teu malfeito tornará sobre a tua cabeça.

[16] Porque, como bebestes no meu santo monte, assim beberão, de contínuo, todas as nações; beberão, sorverão e serão como se nunca tivessem sido.

[17] Mas, no monte Sião, haverá livramento; o monte será santo; e os da casa de Jacó possuirão as suas herdades.

[18] A casa de Jacó será fogo, e a casa de José, chama, e a casa de Esaú, restolho; aqueles incendiarão a este e o consumirão; e ninguém mais restará da casa de Esaú, porque o SENHOR o falou.

[19] Os de Neguebe possuirão o monte de Esaú, e os da planície, aos filisteus; possuirão também os campos de Efraim e os campos de Samaria; e Benjamim possuirá a Gileade.

[20] Os cativos do exército dos filhos de Israel possuirão os cananeus até Sarepta, e os cativos de Jerusalém, que estão em Sefarade, possuirão as cidades do Sul.

[21] Salvadores hão de subir ao monte Sião, para julgarem o monte de Esaú; e o reino será do SENHOR.

kuyakwenziwa kanjalo kuwe; izenzo zakho ziyakubuyela ekhanda lakho.

[16] Ngokuba njengalokho niphuzile entabeni yami engcwele, bayakuphuza kanjalo bonke abezizwe, baphuze, bagwinye, babe njengokungathi abazange babe khona.

[17] Kepha entabeni yaseSiyoni kuyakuba khona abasindayo, ibe ngcwele, nendlu yakwaJakobe iyakudla ifa layo.

[18] Indlu yakwaJakobe iyakuba ngumlilo, indlu kaJosefa ibe yilangabi, indlu ka-Esawu ibe ngamabibi, bawashise, bawaqede; akuyikubakho oseleyo endlini ka-Esawu, ngokuba uJehova ukhulumile.

[19]Abaseningizimu bayakudla ifa lentaba yakwa-Esawu, nabasehlanzeni ifa lamaFilisti, badle ifa lezwe lakwa-Efrayimi nezwe laseSamariya, uBenjamini adle iGileyadi.

[20] Abathunjwa bale mpi yabantwana bakwa-Israyeli abaphakathi kwamaKhanani kuze kube seSarefati nabathunjwa baseJerusalema abaseSefaradi bayakudla ifa lemizi yaseningizimu.

[21] Abasindisi bayakukhuphukela entabeni yaseSiyoni ukuyakwahlulela intaba yakwa-Esawu, umbuso besewuba ngokaJehova.

Jonas

Jonas 1

A vocação de Jonas, a sua fuga e o seu castigo

1 Veio a palavra do SENHOR a Jonas, filho de Amitai, dizendo:

2 Dispõe-te, vai à grande cidade de Nínive e clama contra ela, porque a sua malícia subiu até mim.

3 Jonas se dispôs, mas para fugir da presença do SENHOR, para Társis; e, tendo descido a Jope, achou um navio que ia para Társis; pagou, pois, a sua passagem e embarcou nele, para ir com eles para Társis, para longe da presença do SENHOR.

4 Mas o SENHOR lançou sobre o mar um forte vento, e fez-se no mar uma grande tempestade, e o navio estava a ponto de se despedaçar.

5 Então, os marinheiros, cheios de medo, clamavam cada um ao seu deus e lançavam ao mar a carga que estava no navio, para o aliviarem do peso dela. Jonas, porém, havia descido ao porão e se deitado; e dormia profundamente.

6 Chegou-se a ele o mestre do navio e lhe disse: Que se passa contigo? Agarrado no sono? Levanta-te, invoca o teu deus; talvez, assim, esse deus se lembre de nós, para que não pereçamos.

7 E diziam uns aos outros: Vinde, e lancemos sortes, para que saibamos por causa de quem nos sobreveio este mal. E lançaram sortes, e a sorte caiu sobre Jonas.

UJona

UJona 1

UJona ubalekela uNkulunkulu

1 Izwi likaJehova lafika kuJona indodana ka-Amithayi, lathi:

2 Suka uye eNineve, umuzi omkhulu, umemeze phezu kwalo, ngokuba ububi balo benyukele ebusweni bami.

3 Kepha uJona wasuka ebusweni bukaJehova ukuba abalekele eTharishishi, wehlela eJopha, wafumana umkhumbi obuyakuya eTharishishi; wakhokha imali yawo, wakhwela kuwo, ukuba ahambe nawo, aye eTharishishi, asuke ebusweni bukaJehova.

4 Kodwa uJehova waphonsa umoya omkhulu elwandle, kwaba yisiphepho esikhulu elwandle; kwacatshangwa ukuthi umkhumbi uyakwaphulwa.

5 Khona amatilosi esaba, akhala, kwaba yilelo nalelo kunkulunkulu walo, aphonsa elwandle impahla ebisemkhunjini ukuba ube lula kubo. Kepha uJona wayehlele phakathi komkhumbi, wayeselele ubuthongo.

6 Kwase kusondela kuye induna yomkhumbi, yathi: Unani wena olele ubuthongo na? Vuka, ubize uNkulunkulu wakho; mhlawumbe lo Nkulunkulu uyakusikhumbula ukuba singabhubhi.

7 Bathi, kwaba yilowo nalowo kumngane wakhe: Wozani senze inkatho, sazi ukuthi kungenxa kabani lobu bubi buphezu kwethu. Base benza inkatho; inkatho yamudla uJona.

[8] Então, lhe disseram: Declara-nos, agora, por causa de quem nos sobreveio este mal. Que ocupação é a tua? Donde vens? Qual a tua terra? E de que povo és tu?

[9] Ele lhes respondeu: Sou hebreu e temo ao SENHOR, o Deus do céu, que fez o mar e a terra.

[10] Então, os homens ficaram possuídos de grande temor e lhe disseram: Que é isto que fizeste! Pois sabiam os homens que ele fugia da presença do SENHOR, porque lho havia declarado.

[11] Disseram-lhe: Que te faremos, para que o mar se nos acalme? Porque o mar se ia tornando cada vez mais tempestuoso.

[12] Respondeu-lhes: Tomai-me e lançai-me ao mar, e o mar se aquietará, porque eu sei que, por minha causa, vos sobreveio esta grande tempestade.

[13] Entretanto, os homens remavam, esforçando-se por alcançar a terra, mas não podiam, porquanto o mar se ia tornando cada vez mais tempestuoso contra eles.

[14] Então, clamaram ao SENHOR e disseram: Ah! SENHOR! Rogamos-te que não pereçamos por causa da vida deste homem, e não faças cair sobre nós este sangue, quanto a nós, inocente; porque tu, SENHOR, fizeste como te aprouve.

[8]Base bethi kuye: Ake usitshele ukuthi kungenxa kabani lobu bubi buphezu kwethu. Umsebenzi wakho uyini? Uvelaphi? Liphi izwe lakini, ungowasiphi isizwe na?

[9]Wathi kubo: NgingumHeberu; ngiyamesaba uJehova, uNkulunkulu wasezulwini, owenzile ulwandle nomhlabathi owomileyo.

[10]Base besaba abantu ngokwesaba okukhulu, bathi kuye: Kuyini lokhu okwenzileyo na? Ngokuba base bazi ukuthi ubalekile ebusweni bukaJehova, lokhu ebatshelile.

[11]Base bethi kuye: Siyakwenze njani kuwe, ukuze ulwandle luthule kithina, ngokuba ulwandle luyaqhubeka lube nesivunguvungu.

[12]Wathi kubo: Ngiphakamiseni, ningiphonse elwandle, bese luthula kini ulwandle, ngokuba ngiyazi ukuthi lesi siphepho esikhulu siphezu kwenu ngenxa yami.

[13]Kepha amadoda agwedla ukuba abuyele emhlabathini, kepha ahluleka, ngokuba ulwandle lwaqhubeka lwaba nesiphepho kuwo.

[14]Ayesekhala kuJehova, athi: Siyakuncenga: masingabhubhi ngenxa yalo muntu, ungabeki phezu kwethu igazi elingenacala, ngokuba wena Jehova wenzile njengokuhlosa kwakho.

[15] E levantaram a Jonas e o lançaram ao mar; e cessou o mar da sua fúria.

[16] Temeram, pois, estes homens em extremo ao SENHOR; e ofereceram sacrifícios ao SENHOR e fizeram votos.

[17] Deparou o SENHOR um grande peixe, para que tragasse a Jonas; e esteve Jonas três dias e três noites no ventre do peixe.

Jonas 2

A oração de Jonas no ventre do peixe

[1] Então, Jonas, do ventre do peixe, orou ao SENHOR, seu Deus,

[2] e disse: Na minha angústia, clamei ao SENHOR, e ele me respondeu; do ventre do abismo, gritei, e tu me ouviste a voz.

[3] Pois me lançaste no profundo, no coração dos mares, e a corrente das águas me cercou; todas as tuas ondas e as tuas vagas passaram por cima de mim.

[4] Então, eu disse: lançado estou de diante dos teus olhos; tornarei, porventura, a ver o teu santo templo?

[5] As águas me cercaram até à alma, o abismo me rodeou; e as algas se enrolaram na minha cabeça.

[6] Desci até aos fundamentos dos montes, desci até à terra, cujos ferrolhos se correram sobre mim, para sempre; contudo, fizeste subir da sepultura a minha vida, ó SENHOR, meu Deus!

[15]Amphakamisa uJona, amphonsa elwandle; ulwandle lwase lupheza ukufutha.

[16]Amadoda ayesesaba uJehova ngokwesaba okukhulu; ahlabela uJehova umhlatshelo, enza izithembiso.

[17]UJehova wamisela inhlanzi enkulu ukuba imgwinye uJona; uJona wayesezibilinini zenhlanzi izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

UJona 2

Umkhuleko kaJona

[1] UJona wakhuleka kuJehova uNkulunkulu wakhe esezibilinini zenhlanzi,

[2]wathi: Ekuhluphekeni kwami ngakhala kuJehova, wangiphendula; ngisesiswini sendawo yabafileyo ngamemeza, wezwa izwi lami.

[3] Wangiphonsa ekujuleni, enhliziyweni yolwandle, umfula wangihaqa; onke amadlambi akho namaza akho adlula phezu kwami.

[4] Ngathi mina: Ngixoshiwe emehlweni akho; nokho ngiyakubuye ngibheke ithempeli lakho elingcwele.

[5] Amanzi angihaqa kwaze kwaba nasekuphileni kwami, utwa lwangikaka. Umhlanga wathandela ekhanda lami.

[6] Ngehla ngasemikhawulweni yezintaba; imigoqo yomhlaba yayisemva kwami kuze kube phakade. Kepha wakhuphula ukuphila kwami egodini, Jehova Nkulunkulu wami.

[7] Quando, dentro de mim, desfalecia a minha alma, eu me lembrei do SENHOR; e subiu a ti a minha oração, no teu santo templo.

[8] Os que se entregam à idolatria vã abandonam aquele que lhes é misericordioso.

[9] Mas, com a voz do agradecimento, eu te oferecerei sacrifício; o que votei pagarei. Ao SENHOR pertence a salvação!

[10] Falou, pois, o SENHOR ao peixe, e este vomitou a Jonas na terra.

[7] Lapho umphefumulo wami waphela amandla phakathi kwami, ngamkhumbula uJehova; umkhuleko wami wangena kuwe ethempelini lakho elingcwele.

[8] Abagcina okungumoya nokuyize nje bashiya Othembekile kubo.

[9] Kepha mina ngiyakukuhlabela ngezwi lokudumisa, ngigcwalise engikuthembisileyo. Ukusindiswa kukuye uJehova.

[10] UJehova wakhuluma kuyo inhlanzi, yamhlanzela uJona emhlabathini owomileyo.

Jonas 3

Jonas prega em Nínive

[1] Veio a palavra do SENHOR, segunda vez, a Jonas, dizendo:

[2] Dispõe-te, vai à grande cidade de Nínive e proclama contra ela a mensagem que eu te digo.

[3] Levantou-se, pois, Jonas e foi a Nínive, segundo a palavra do SENHOR. Ora, Nínive era cidade mui importante diante de Deus e de três dias para percorrê-la.

[4] Começou Jonas a percorrer a cidade caminho de um dia, e pregava, e dizia: Ainda quarenta dias, e Nínive será subvertida.

O arrependimento dos ninivitas

[5] Os ninivitas creram em Deus, e proclamaram um jejum, e vestiram-se de panos de saco, desde o maior até o menor.

UJona 3

Ukuphenduka kweNineve

[1]Izwi likaJehova lafika kuJona ngokwesibili, lathi:

[2] Suka uye eNineve, umuzi omkhulu, umemezele kulo isimemezelo esikhulu engasikhuluma kuwe.

[3]Wayesesuka uJona, waya eNineve njengezwi likaJehova. INineve lalingumuzi omkhulu kakhulu, uhambo lwezinsuku ezintathu.

[4]UJona waqala ukungena emzini, uhambo losuku lwaba lunye, wamemeza wathi: Kusezakuba yizinsuku ezingamashumi amane, bese lichithwa iNineve.

[5] Abantu baseNineve bakholwa nguNkulunkulu; bamemezela ukuzila ukudla, bembatha izindwangu zamasaka, kusukela kwabakhulu babo kwaze kwaba kwabancane.

[6] Chegou esta notícia ao rei de Nínive; ele levantou-se do seu trono, tirou de si as vestes reais, cobriu-se de pano de saco e assentou-se sobre cinza.

[7] E fez-se proclamar e divulgar em Nínive: Por mandado do rei e seus grandes, nem homens, nem animais, nem bois, nem ovelhas provem coisa alguma, nem os levem ao pasto, nem bebam água;

[8] mas sejam cobertos de pano de saco, tanto os homens como os animais, e clamarão fortemente a Deus; e se converterão, cada um do seu mau caminho e da violência que há nas suas mãos.

[9] Quem sabe se voltará Deus, e se arrependerá, e se apartará do furor da sua ira, de sorte que não pereçamos?

[10] Viu Deus o que fizeram, como se converteram do seu mau caminho; e Deus se arrependeu do mal que tinha dito lhes faria e não o fez.

Jonas 4

O descontentamento de Jonas

[1] Com isso, desgostou-se Jonas extremamente e ficou irado.

[2] E orou ao SENHOR e disse: Ah! SENHOR! Não foi isso o que eu disse, estando ainda na minha terra? Por isso, me adiantei, fugindo para Társis, pois sabia que és Deus clemente, e misericordioso, e tardio em

[6]Kepha izwi lafinyelela enkosini yaseNineve; yasukuma esihlalweni sayo sobukhosi, yakhumula ingubo yayo, yazimboza ngendwangu yamasaka, yahlala phansi emlotheni.

[7]Yamemezela, yasho eNineve ngomthetho wenkosi nabakhulu bayo, yathi: Makungabikho muntu onambitha utho, nasilwane, nankomo, namvu, bangadli, bangaphuzi manzi,

[8] kepha bambozwe ngendwangu yamasaka, umuntu nesilwane, kukhalwe kuNkulunkulu ngamandla, yebo, kubuyiswe yilowo nalowo endleleni yakhe embi nasebudloveni obusezandleni zakhe.

[9] Ngubani owaziyo uma uNkulunkulu engayikubuya, azisole, abuye ekufutheni kwentukuthelo yakhe, size singabhubhi, na?

[10] Lapho uNkulunkulu esebona izenzo zabo ukuthi babuya endleleni yabo embi, uNkulunkulu wazisola ngokubi owayeshilo ukuthi uyakukwenza kubo, akakwenzanga.

UJona 4

Ukusola kukaJona

[1]Kepha lokho kwaba kubi kakhulu kuJona, wathukuthela.

[2]Wakhuleka kuJehova, wathi: Ngiyakuncenga, Jehova; lokho kwakungesilo izwi lami ngisekhona ezweni lakithi na? Ngalokho ngakwandulela ngokubalekela eTharishishi, ngokuba ngiyazi ukuthi

irar-se, e grande em benignidade, e que te arrependes do mal.

3 Peço-te, pois, ó SENHOR, tira-me a vida, porque melhor me é morrer do que viver.

4 E disse o SENHOR: É razoável essa tua ira?

5 Então, Jonas saiu da cidade, e assentou-se ao oriente da mesma, e ali fez uma enramada, e repousou debaixo dela, à sombra, até ver o que aconteceria à cidade.

A lição do Senhor

6 Então, fez o SENHOR Deus nascer uma planta, que subiu por cima de Jonas, para que fizesse sombra sobre a sua cabeça, a fim de o livrar do seu desconforto. Jonas, pois, se alegrou em extremo por causa da planta.

7 Mas Deus, no dia seguinte, ao subir da alva, enviou um verme, o qual feriu a planta, e esta se secou.

8 Em nascendo o sol, Deus mandou um vento calmoso oriental; o sol bateu na cabeça de Jonas, de maneira que desfalecia, pelo que pediu para si a morte, dizendo: Melhor me é morrer do que viver!

9 Então, perguntou Deus a Jonas: É razoável essa tua ira por causa da planta? Ele respondeu: É razoável a minha ira até à morte.

10 Tornou o SENHOR: Tens compaixão da planta que te não custou trabalho, a qual

unguNkulunkulu onomusa nobumnene, wephuza ukuthukuthela, unesihe esikhulu, uzisola ngokubi;

3 ngalokho, Jehova, ake ususe kimi ukuphila kwami, ngokuba kungcono kimi ukufa kunokuphila.

4Wayesethi uJehova: Wenza kahle ngokuthukuthela na?

5UJona wayesephuma emzini, wahlala ngasempumalanga komuzi, wazenzela idokodo khona, wahlala phansi kwalo emthunzini, ukuze abone ukuthi kuyakwenziwa njani kuwo umuzi.

6UJehova uNkulunkulu walungisela umhlakuva, wawukhulisa phezu kukaJona ukuba ube ngumthunzi phezu kwekhanda lakhe ukumophula kokubi kwakhe. UJona wathokoza ngomhlakuva ngokuthokoza okukhulu.

7Kepha sekuzakuvela ukusa ngangomuso uNkulunkulu walungisela impehlwa; yawuphehla umhlakuva, wabuna.

8Kwathi ekuphumeni kwelanga uNkulunkulu walungisela umoya oshisayo wasempumalanga; ilanga lashaya ekhanda likaJona, waba nesiyezi, wazicelela ukuba afe, wathi: Kungcono kimi ukufa kunokuphila.

9Wayesethi uNkulunkulu kuJona: Wenza kahle ngokuthukuthela ngenxa yomhlakuva na? Wathi: Ngenza kahle ngokuthukuthela kuze kube sekufeni.

10Wayesethi uJehova: Wena wawuhawukela umhlakuva ongawukhandlekelanga

não fizeste crescer, que numa noite nasceu e numa noite pereceu;

[11] e não hei de eu ter compaixão da grande cidade de Nínive, em que há mais de cento e vinte mil pessoas, que não sabem discernir entre a mão direita e a mão esquerda, e também muitos animais?

nongawukhulisanga, owamila ebusuku bunye, wabhubha ebusuku bunye;
[11]mina-ke bengingayikulihawukela iNineve, umuzi omkhulu, okukuwo abantu abangaphezu kwezinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili abangakwazi ukwahlukanisa isandla sokunene nesokhohlo, kanye nezinkomo eziningi, na?

Miqueias	UMika

Miqueias 1

Ameaças contra Israel e Judá

[1] Palavra do SENHOR que em visão veio a Miqueias, morastita, nos dias de Jotão, Acaz e Ezequias, reis de Judá, sobre Samaria e Jerusalém.

[2] Ouvi, todos os povos, prestai atenção, ó terra e tudo o que ela contém, e seja o SENHOR Deus testemunha contra vós outros, o SENHOR desde o seu santo templo.

[3] Porque eis que o SENHOR sai do seu lugar, e desce, e anda sobre os altos da terra.

[4] Os montes debaixo dele se derretem, e os vales se fendem; são como a cera diante do fogo, como as águas que se precipitam num abismo.

[5] Tudo isto por causa da transgressão de Jacó e dos pecados da casa de Israel. Qual é a transgressão de Jacó? Não é Samaria? E quais os altos de Judá? Não é Jerusalém?

[6] Por isso, farei de Samaria um montão de pedras do campo, uma terra de plantar vinhas; farei rebolar as suas pedras para o vale e descobrirei os seus fundamentos.

[7] Todas as suas imagens de escultura serão despedaçadas, e todos os salários de sua impureza serão queimados, e de todos os seus ídolos eu farei uma ruína, porque do

UMika 1

Ukwahlulelwa kukaJuda no-Israyeli

[1] Izwi likaJehova elafika kuMika waseMoresheti ezinsukwini zikaJothamu, no-Ahazi, noHezekiya, amakhosi akwaJuda, owalibona ngeSamariya neJerusalema.

[2] Zwanini, bantu bonke, uqaphele, mhlaba nokugcwala kwakho, iNkosi uJehova ibe ngufakazi ngani, iNkosi isethempelini layo elingcwele.

[3] Ngokuba bhekani, uJehova uphuma endaweni yakhe, ehle, anyathele ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba.

[4] Izintaba ziyakuncibilika phansi kwakhe, nezigodi ziyakuqhekezeka njengengcina phambi komlilo, njengamanzi athululwe emaweni.

[5]Konke lokhu kungenxa yesiphambeko sikaJakobe nangezono zendlu yakwa-Israyeli. Siyini isiphambeko sikaJakobe? Asiyilo iSamariya na? Ziyini izindawo eziphakemeyo zakwaJuda? Aziyilo iJerusalema na?

[6] Ngiyakwenza iSamariya libe yizihlephu zasendle nendawo yokutshala izivini, ngiqulele amatshe alo esigodini, ngambule isisekelo salo.

[7] Zonke izithombe zalo ezibaziweyo ziyakwaphulwa, nakho konke elikukhokhelweyo kuyakushiswa ngomlilo, nayo yonke imifanekiso ngiyakuyenza ukuba ibe yincithakalo,

preço da prostituição os ajuntou, e a este preço volverão.

ngokuba likuqoqile ngenkokhelo yobufebe; kuyakubuye kube yinkokhelo yobufebe.

8 Por isso, lamento e uivo; ando despojado e nu; faço lamentações como de chacais e pranto como de avestruzes.

8 Ngenxa yalokho ngiyakukhala, ngihhewule, ngihambe ngihlutshuliwe, ngihamba ze; ngenze isililo njengamakhanka, ngikhale njengezintshe.

9 Porque as suas feridas são incuráveis; o mal chegou até Judá; estendeu-se até à porta do meu povo, até Jerusalém.

9 Ngokuba amanxeba alo awanakuphulukiswa, lokhu sekufikile nakwaJuda, kufinyelela esangweni labantu bami naseJerusalema.

10 Não o anuncieis em Gate, nem choreis; revolvei-vos no pó, em Bete-Leafra.

10 Ningakulandisi eGati, ningakhali e-Akha; eBeti Afera huquzelani othulini.

11 Passa, ó moradora de Safir, em vergonhosa nudez; a moradora de Zaanã não pode sair; o pranto de Bete-Ezel tira de vós o vosso refúgio.

11Dlulani nina enakhileyo eShafiri ngobunqunu nangehlazo; abakhe eSawanani abaphumi; ukukhala kwaseBeti Eseli akunivumeli ukuhlala khona.

12 Pois a moradora de Marote suspira pelo bem, porque desceu do SENHOR o mal até à porta de Jerusalém.

12 Ngokuba abakhe eMaroti banemihelo ngokuhle, lokhu okubi kwehlile kuvela kuJehova, kwafika esangweni laseJerusalema.

13 Ata os corcéis ao carro, ó moradora de Laquis; foste o princípio do pecado para a filha de Sião, porque em ti se acharam as transgressões de Israel.

13 Bophelani enqoleni ihhashi elinejubane, nina enakhileyo eLakishi; lona lalingukuqala kwezono kuyo indodakazi yaseSiyoni, ngokuba iziphambeko zakwa-Israyeli zafunyanwa kuwe.

14 Portanto, darás presentes de despedida a Moresete-Gate; as casas de Aczibe serão para engano dos reis de Israel.

14 Ngalokho uyakupha iMoresheti Gati isipho sokuvalelisana; izindlu zase-Akizibi ziyakuba yinkohliso kuwo amakhosi akwa-Israyeli.

15 Enviar-te-ei ainda quem tomará posse de ti, ó moradora de Maressa; chegará até Adulão a glória de Israel.

15 Ngisezakwehlisa phezu kwenu enakhileyo eMaresha oyakunidla: udumo luka-Israyeli luyakufika e-Adulamu.

[16] Faze-te calva e tosquia-te, por causa dos filhos que eram as tuas delícias; alarga a tua calva como a águia, porque de ti serão levados para o cativeiro.

[16]Ziphucule, zigunde ngenxa yabantwana bokwenama kwakho, wandise ubumpandla bakho njengenqe, ngokuba bayakuthunjwa kuwe.

Miqueias 2

Ai dos opressores gananciosos

[1] Ai daqueles que, no seu leito, imaginam a iniqüidade e maquinam o mal! À luz da alva, o praticam, porque o poder está em suas mãos.

[2] Se cobiçam campos, os arrebatam; se casas, as tomam; assim, fazem violência a um homem e à sua casa, a uma pessoa e à sua herança.

[3] Portanto, assim diz o SENHOR: Eis que projeto mal contra esta família, do qual não tirareis a vossa cerviz; e não andareis altivamente, porque o tempo será mau.

[4] Naquele dia, se criará contra vós outros um provérbio, se levantará pranto lastimoso e se dirá: Estamos inteiramente desolados! A porção do meu povo, Deus a troca! Como me despoja! Reparte os nossos campos aos rebeldes!

[5] Portanto, não terás, na congregação do SENHOR, quem, pela sorte, lançando o cordel, meça possessões.

Contra os falsos profetas

[6] Não babujeis, dizem eles. Não babujeis tais coisas, porque a desgraça não cairá sobre nós.

[7] Tais coisas anunciadas não alcançarão a casa de Jacó. Está irritado o Espírito do SENHOR? São estas as suas obras? Sim, as

UMika 2

Ukuxwayiswa kwabacindezeli

[1] Wo! kwabaceba ububi, benze okubi emibhedeni yabo! Ekukhanyeni kokusa bayakwenza, ngokuba kusemandleni ezandla zabo.

[2] Bafisa amasimu, bawadluzule, nezindlu, bazisuse; bacindezela indoda nendlu yayo, umuntu nefa lakhe.

[3]Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiceba okubi ngalo mndeni, eningayikukhipha kukho izintamo zenu; futhi ningahambi ngokuzidla, ngokuba lokhu kuyisikhathi esibi.

[4] Ngalolo suku bayakuphakamisa umfanekiso ngani, bakhale isililo, bathi: Sichithiwe nokuchithwa; isabelo sabantu bami sinikwa omunye; yeka ukubuya kwakhe kimi; abahlubuki babelwa amasimu ethu.

[5]Ngalokho akuyikubakho ophonsa intambo ngenkatho ebandleni likaJehova.

[6] Ningaprofethi, baprofetha, basho njalo, ningaprofethi ngalokho; ihlazo aliyikusifica.

[7]Kuyakushiwo, nina ndlu kaJakobe, ukuthi uMoya kaJehova unyinyekile;

minhas palavras fazem o bem ao que anda retamente;

8 mas, há pouco, se levantou o meu povo como inimigo; além da roupa, roubais a capa àqueles que passam seguros, sem pensar em guerra.

9 Lançais fora as mulheres de meu povo do seu lar querido; dos filhinhos delas tirais a minha glória, para sempre.

10 Levantai-vos e ide-vos embora, porque não é lugar aqui de descanso; ide-vos por causa da imundícia que destrói, sim, que destrói dolorosamente.

11 Se houver alguém que, seguindo o vento da falsidade, mentindo, diga: Eu te profetizarei do vinho e da bebida forte, será este tal o profeta deste povo.

O Senhor congrega o restante de Israel

12 Certamente, te ajuntarei todo, ó Jacó; certamente, congregarei o restante de Israel; pô-los-ei todos juntos, como ovelhas no aprisco, como rebanho no meio do seu pasto; farão grande ruído, por causa da multidão dos homens.

13 Subirá diante deles o que abre caminho; eles romperão, entrarão pela porta e sairão por ela; e o seu Rei irá adiante deles; sim, o SENHOR, à sua frente.

Miqueias 3

Ameaças contra os chefes, os sacerdotes e os falsos profetas

yizenzo zakhe lezi na? Awamahle yini amazwi ami kohamba ngobuqotho?

8Kepha kade bevukile abantu bami baba yizitha; nihlubula ingubo esambathweni sabadlula ngethemba, befulathele ukulwa.

9Niyaxosha abesifazane babantu bami ezindlini zokuthokoza kwabo, nisusa ezinganeni zabo ubukhosi bami kuze kube phakade.

10 Sukumani nihambe, ngokuba lokhu akusikho ukuphumula kwenu; ngenxa yabayingcosana niyachitha ngokuchitha okunamandla.

11 Uma bekuhambahamba umuntu okhuluma umoya nje namanga, athi: Ngiyakuprofetha kuwe ngewayini nangophuzo olunamandla, ubeyakuba ngumprofethi walaba bantu.

12 Ngiyakukubutha, Jakobe, wonke wakho; ngiyakuqoqa nokuqoqa insali yakwa-Israyeli; ngiyakubabeka ndawonye njengezimvu zaseBosira, njengomhlambi phakathi kwedlelo lawo, kwenziwe ukukhamuluka okuvela kubantu.

13 Umfohli ukhuphuka ngaphambi kwabo; sebefohlile, badlulela esangweni, baphuma ngalo; inkosi yabo idlulile phambi kwabo, noJehova usesihlokweni sabo.

UMika 3

Ukusolwa kwabaholi ababi

1 Disse eu: Ouvi, agora, vós, cabeças de Jacó, e vós, chefes da casa de Israel: Não é a vós outros que pertence saber o juízo?

2 Os que aborreceis o bem e amais o mal; e deles arrancais a pele e a carne de cima dos seus ossos;

3 que comeis a carne do meu povo, e lhes arrancais a pele, e lhes esmiuçais os ossos, e os repartis como para a panela e como carne no meio do caldeirão?

4 Então, chamarão ao SENHOR, mas não os ouvirá; antes, esconderá deles a sua face, naquele tempo, visto que eles fizeram mal nas suas obras.

5 Assim diz o SENHOR acerca dos profetas que fazem errar o meu povo e que clamam: Paz, quando têm o que mastigar, mas apregoam guerra santa contra aqueles que nada lhes metem na boca.

6 Portanto, se vos fará noite sem visão, e tereis treva sem adivinhação; pôr-se-á o sol sobre os profetas, e sobre eles se enegrecerá o dia.

7 Os videntes se envergonharão, e os adivinhadores se confundirão; sim, todos eles cobrirão o seu bigode, porque não há resposta de Deus.

8 Eu, porém, estou cheio do poder do Espírito do SENHOR, cheio de juízo e de força, para declarar a Jacó a sua transgressão e a Israel, o seu pecado.

1 Ngathi: Zwanini nina zinhloko zakwaJakobe, nani zikhulu zendlu yakwa-Israyeli ukuthi: Akusikho okwenu ukwazi ukulunga

2 nina enizonda okuhle, nithanda okubi, enebula kubo isikhumba sabo, nenyama yabo emathanjeni abo,

3 enidla inyama yabantu bami, nihlinza kubo isikhumba sabo, naphula amathambo abo, yebo, nibaqoba njengokwasekhanzini nanjengenyama phakathi kwebhodwe.

4 Khona bayakukhala kuJehova, kepha akayikubaphendula; uyakusitheza ubuso bakhe kubo ngaleso sikhathi ngenxa yokwenza kwabo izenzo zabo zibe zimbi.

5Usho kanje uJehova: Ngabaprofethi abadukisa abantu bami, abathi, bese nakho okokuhlafuna ngamazinyo abo, bamemeze bathi: Ukuthula, nongabeki lutho emlonyeni wabo bamlungisele ukulwa.

6 Ngalokho ubusuku buyakunehlela ukuze ningabi nambono, kuhlwe kini, ningabe nisabhula; ilanga liyakushonela abaprofethi, usuku lube mnyama phezu kwabo.

7 Ababoni bayakuba namahloni, ababhuli bayangaze; bayakumboza amadevu abo bonke, ngokuba akuveli mpendulo kuNkulunkulu.

8Kepha mina ngigcwele amandla ngoMoya kaJehova ngokulunga nangobuqhawe ukuba ngimtshele

uJakobe iziphambeko zakhe, u-Israyeli izono zakhe.

[9] Ouvi, agora, isto, vós, cabeças de Jacó, e vós, chefes da casa de Israel, que abominais o juízo, e perverteis tudo o que é direito,

[9]Ake nizwe lokhu nina zinhloko zendlu kaJakobe nani zikhulu zendlu yakwa-Israyeli eninengwa ngukwahlulelwa, nihlanekezela konke ukulunga,

[10] e edificais a Sião com sangue e a Jerusalém, com perversidade.

[10] enakha iSiyoni ngegazi neJerusalema ngobubi,

[11] Os seus cabeças dão as sentenças por suborno, os seus sacerdotes ensinam por interesse, e os seus profetas adivinham por dinheiro; e ainda se encostam ao SENHOR, dizendo: Não está o SENHOR no meio de nós? Nenhum mal nos sobrevirá.

[11] elizinhloko zalo zahlulela ngemivuzo, nelibapristi balo bafundisa ngenkokhelo, nelibaprofethi balo babhula ngemali, bencike nokho kuJehova, bethi: UJehova akaphakathi kwethu na? Asiyikwehlelwa ngokubi.

[12] Portanto, por causa de vós, Sião será lavrada como um campo, e Jerusalém se tornará em montões de ruínas, e o monte do templo, numa colina coberta de mato.

[12] Ngalokho ngenxa yenu iSiyoni liyakulinywa njengensimu, iJerusalema libe yincithakalo, intaba yendlu ibe yizindawo eziphakemeyo zamahlathi.

Miqueias 4

O anúncio do chamamento dos gentios

Isaías 2.1-4

[1] Mas, nos últimos dias, acontecerá que o monte da Casa do SENHOR será estabelecido no cimo dos montes e se elevará sobre os outeiros, e para ele afluirão os povos.

[2] Irão muitas nações e dirão: Vinde, e subamos ao monte do SENHOR e à casa do Deus de Jacó, para que nos ensine os seus caminhos, e andemos pelas suas veredas; porque de Sião procederá a lei, e a palavra do SENHOR, de Jerusalém.

[3] Ele julgará entre muitos povos e corrigirá nações poderosas e longínquas; estes

UMika 4

Isithembiso sokuthula

[1] Kepha kuyakuthi ngezinsuku ezizayo intaba yendlu kaJehova iqiniswe esiqongweni sezintaba, iphakame kunamagquma, nabantu bayakugobhozela khona.

[2] Izizwe eziningi ziyakuhamba, zithi: Wozani sikhuphukele entabeni kaJehova nasendlini kaNkulunkulu kaJakobe; uyakusifundisa izindlela zakhe, sihambe emikhondweni yakhe, ngokuba umthetho uyakuvela eSiyoni, nezwi likaJehova eJerusalema.

[3] Uyakwahlulela phakathi kwezizwe eziningi, anqume phakathi kwezizwe

converterão as suas espadas em relhas de arados e suas lanças, em podadeiras; uma nação não levantará a espada contra outra nação, nem aprenderão mais a guerra.

[4] Mas assentar-se-á cada um debaixo da sua videira e debaixo da sua figueira, e não haverá quem os espante, porque a boca do SENHOR dos Exércitos o disse.

[5] Porque todos os povos andam, cada um em nome do seu deus; mas, quanto a nós, andaremos em o nome do SENHOR, nosso Deus, para todo o sempre.

[6] Naquele dia, diz o SENHOR, congregarei os que coxeiam e recolherei os que foram expulsos e os que eu afligira.

[7] Dos que coxeiam farei a parte restante e dos que foram arrojados para longe, uma poderosa nação; e o SENHOR reinará sobre eles no monte Sião, desde agora e para sempre.

[8] A ti, ó torre do rebanho, monte da filha de Sião, a ti virá; sim, virá o primeiro domínio, o reino da filha de Jerusalém.

[9] Agora, por que tamanho grito? Não há rei em ti? Pereceu o teu conselheiro? Apoderou-se de ti a dor como da que está para dar à luz?

[10] Sofre dores e esforça-te, ó filha de Sião, como a que está para dar à luz, porque, agora, sairás da cidade, e habitarás no campo, e virás até à Babilônia; ali, porém,

ezinamandla ezikude; ziyakukhanda izinkemba zazo zibe ngamakhuba, imikhonto yazo ibe ngocelemba; isizwe asiyikuphakamisela isizwe inkemba, zingabe zisafuna ukulwa.

[4] Bayakuhlala, kube yilowo nalowo phansi komvini wakhe naphansi komkhiwane wakhe; akakho oyakubesabisa, ngokuba umlomo kaJehova Sebawoti ukhulumile.

[5]Ngokuba bonke abantu bahamba, kube yilowo nalowo ngegama likankulunkulu wakhe, kepha thina siyakuhamba ngegama likaJehova uNkulunkulu wethu kuze kube phakade naphakade.

[6] Ngalolo suku, usho uJehova, ngiyakubutha abaqhugayo, ngiqoqe abaxoshiweyo nengenze okubi kubo,

[7] ngenze abaqhugayo babe yinsali, abadediselwe kude babe yisizwe esinamandla; uJehova uyakubusa phezu kwabo entabeni yaseSiyoni kusukela manje kuze kube phakade.

[8] Wena mbhoshongo womhlambi, negquma lendodakazi yaseSiyoni kuyakufika kuwe, yebo, ukubusa kokuqala kuyakufika, umbuso wendodakazi yaseJerusalema.

[9] Umemezelani manje ngokumemeza okungakho na? Ayikho inkosi kuwe, ubhubhile umluleki wakho, lokhu ubanjwe yimihelo njengobelethayo.

[10] Yiba nemihelo, uzale, ndodakazi yaseSiyoni njengobelethayo, ngokuba manje uyakuphuma emzini, uhlale endle, ufike naseBabele, lapho uzakophulwa

serás libertada; ali, te remirá o SENHOR das mãos dos teus inimigos.

[11] Acham-se, agora, congregadas muitas nações contra ti, que dizem: Seja profanada, e vejam os nossos olhos o seu desejo sobre Sião.

[12] Mas não sabem os pensamentos do SENHOR, nem lhe entendem o plano que as ajuntou como feixes na eira.

[13] Levanta-te e debulha, ó filha de Sião, porque farei de ferro o teu chifre e de bronze, as tuas unhas; e esmiuçarás a muitos povos, e o seu ganho será dedicado ao SENHOR, e os seus bens, ao SENHOR de toda a terra.

Miqueias 5

[1] Agora, ajunta-te em tropas, ó filha de tropas; pôr-se-á sítio contra nós; ferirão com a vara a face do juiz de Israel.

O nascimento do Messias e o seu reinado

[2] E tu, Belém-Efrata, pequena demais para figurar como grupo de milhares de Judá, de ti me sairá o que há de reinar em Israel, e cujas origens são desde os tempos antigos, desde os dias da eternidade.

[3] Portanto, o SENHOR os entregará até ao tempo em que a que está em dores tiver dado à luz; então, o restante de seus irmãos voltará aos filhos de Israel.

[4] Ele se manterá firme e apascentará o povo na força do SENHOR, na majestade

khona; lapho uJehova uyakukukhulula esandleni sezitha zakho.

[11]Manje izizwe eziningi zikubuthanele; zithi: Malingcoliswe, amehlo ethu alibuke iSiyoni.

[12] Kepha azazi imicabango kaJehova, aziqondi amasu akhe, ngokuba uzibuthile njengezithungu esibuyeni.

[13] Suka ubhule, ndodakazi yaseSiyoni, ngokuba ngiyakwenza uphondo lwakho lube yinsimbi, nezinselo zakho ngizenze insimbi; uyakuchoboza abantu abaningi, kwahlukaniselwe uJehova inzuzo yabo, nemfuyo yabo kuyo iNkosi yomhlaba wonke.

UMika 5

Umbusi ozayo wakwa-Israyeli

[1]Buthana ngamaviyo, ndodakazi yamaviyo; usivimbezele, bayakumshaya umahluleli wakwa-Israyeli ngenduku esihlathini.

[2] Kepha wena Betlehema Efratha, omncane ukuba ube phakathi kwemindeni yakwaJuda, ngiyakuphunyelwa ngovela kuwe, ozakuba ngumbusi kwa-Israyeli, okuvela kwakhe kusukela endulo ezinsukwini zaphakade.

[3] Ngalokho bayakukhashelwa, bese yibuyela insali yabafowabo kubantwana bakwa-Israyeli.

[4] Uyakuma, aluse ngamandla kaJehova nangokuphakama kwegama likaJehova

do nome do SENHOR, seu Deus; e eles habitarão seguros, porque, agora, será ele engrandecido até aos confins da terra.

5 Este será a nossa paz. Quando a Assíria vier à nossa terra e quando passar sobre os nossos palácios, levantaremos contra ela sete pastores e oito príncipes dentre os homens.

6 Estes consumirão a terra da Assíria à espada e a terra de Ninrode, dentro de suas próprias portas. Assim, nos livrará da Assíria, quando esta vier à nossa terra e pisar os nossos limites.

7 O restante de Jacó estará no meio de muitos povos, como orvalho do SENHOR, como chuvisco sobre a erva, que não espera pelo homem, nem depende dos filhos de homens.

8 O restante de Jacó estará entre as nações, no meio de muitos povos, como um leão entre os animais das selvas, como um leãozinho entre os rebanhos de ovelhas, o qual, se passar, as pisará e despedaçará, sem que haja quem as livre.

9 A tua mão se exaltará sobre os teus adversários; e todos os teus inimigos serão eliminados.

10 E sucederá, naquele dia, diz o SENHOR, que eu eliminarei do meio de ti os teus cavalos e destruirei os teus carros de guerra;

11 destruirei as cidades da tua terra e deitarei abaixo todas as tuas fortalezas;

uNkulunkulu wakhe; sebeyakuhlala, ngokuba uzakuba mkhulu kuze kube semajukujukwini omhlaba.

5Ukuthula kuyakuba yilokhu: lapho umAsiriya engena ezweni lakithi, anyathele ezindlini zethu zobukhosi, siyakumvusela abelusi abayisikhombisa nezikhulu zabantu eziyisishiyagalombili.

6 Bayakuchitha izwe lase-Asiriya ngenkemba, nezwe lakwaNimrode ezintubeni zalo, asophule kumAsiriya, lapho engena ezweni lakithi, nalapho enyathela emikhawulweni yethu.

7 Insali yakwaJakobe iyakuba phakathi kwabantu abaningi njengamazolo avela kuJehova, ngengezihlambi otshanini ezingahlaleli muntu, zingahlaleli abantwana babantu.

8Insali yakwaJakobe iyakuba phakathi kwezizwe, phakathi kwabantu abaningi, njengengonyama phakathi kwezilwane zasehlathini, njengebhongo lengonyama phakathi kwemihlambi yezimvu, elithi lapho lidabula, linyathele, lidwengule, kungekho owophulayo.

9Masiphakanyiswe isandla sakho phezu kwezitha zakho, zinqunywe zonke izitha zakho.

10 Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova, nginqume amahhashi akho phakathi kwakho, ngichithe izinqola zakho,

11ngiyinqume imizi yasezweni lakho, ngizidilize zonke izinqaba zakho.

[12] eliminarei as feitiçarias das tuas mãos, e não terás adivinhadores;

[13] do meio de ti eliminarei as tuas imagens de escultura e as tuas colunas, e tu já não te inclinarás diante da obra das tuas mãos;

[14] eliminarei do meio de ti os teus postes-ídolos e destruirei as tuas cidades.

[15] Com ira e furor, tomarei vingança sobre as nações que não me obedeceram.

[12]Ngiyakunquma ukulumba esandleni sakho, kungabe kusabakho kuwe abahlola imihlola.

[13]Ngiyakunquma izithombe zakho ezibaziweyo nezinsika zakho phakathi kwakho, ungabe usakhonza imisebenzi yezandla zakho.

[14]Ngiyakubasiphula o-Ashera bakho phakathi kwakho, ngiyichithe imizi yakho.

[15]Ngiyakwenza impindiselo ngentukuthelo nangokufutheka kuzo izizwe ezingalalelanga.

Miqueias 6

Deus e seu povo em juízo

[1] Ouvi, agora, o que diz o SENHOR: Levanta-te, defende a tua causa perante os montes, e ouçam os outeiros a tua voz.

[2] Ouvi, montes, a controvérsia do SENHOR, e vós, duráveis fundamentos da terra, porque o SENHOR tem controvérsia com o seu povo e com Israel entrará em juízo.

[3] Povo meu, que te tenho feito? E com que te enfadei? Responde-me!

[4] Pois te fiz sair da terra do Egito e da casa da servidão te remi; e enviei adiante de ti Moisés, Arão e Miriã.

[5] Povo meu, lembra-te, agora, do que maquinou Balaque, rei de Moabe, e do que lhe respondeu Balaão, filho de Beor, e do que aconteceu desde Sitim até Gilgal, para

UMika 6

UJehova uphikisana nabakwa-Israyeli

[1]Ake nizwe akushoyo uJehova, ethi: Suka ulwe phambi kwezintaba, uzwise amagquma izwi lakho.

[2] Zwanini, zintaba, ukuphikisana kukaJehova, nani zisekelo zomhlaba eziqinileyo, ngokuba uJehova unokuphikisana nabantu bakhe, uyakumelana nabo.

[3] Bantu bami, ngenzeni kini; kuyini enginikhathaze ngakho na? Ngiphenduleni.

[4] Nganikhuphula ezweni laseGibithe, nganihlenga endlini yezigqila, ngathuma phambi kwenu oMose, no-Aroni, noMiriyamu.

[5] Bantu bami, ake nikhumbule okwacetshwa nguBalaki inkosi yakwaMowabi, nalokho amphendula ngakho uBileyamu indodana kaBeyori,

que conheças os atos de justiça do SENHOR.

6 Com que me apresentarei ao SENHOR e me inclinarei ante o Deus excelso? Virei perante ele com holocaustos, com bezerros de um ano?

7 Agradar-se-á o SENHOR de milhares de carneiros, de dez mil ribeiros de azeite? Darei o meu primogênito pela minha transgressão, o fruto do meu corpo, pelo pecado da minha alma?

8 Ele te declarou, ó homem, o que é bom e que é o que o SENHOR pede de ti: que pratiques a justiça, e ames a misericórdia, e andes humildemente com o teu Deus.

A injustiça terá seu castigo

9 A voz do SENHOR clama à cidade (e é verdadeira sabedoria temer-lhe o nome): Ouvi, ó tribos, aquele que a cita.

10 Ainda há, na casa do ímpio, os tesouros da impiedade e o detestável efa minguado?

11 Poderei eu inocentar balanças falsas e bolsas de pesos enganosos?

12 Porque os ricos da cidade estão cheios de violência, e os seus habitantes falam mentiras, e a língua deles é enganosa na sua boca.

13 Assim, também passarei eu a ferir-te e te deixarei desolada por causa dos teus pecados.

nokwakuphakathi kweShithimi neGiligali, nize nazi izenzo ezilungileyo zikaJehova.

6Ngiyakusondela kuJehova nginantoni, ngikhothame kuNkulunkulu ophezulu, na? Ngiyakufika ngiphethe iminikelo yokushiswa, nginamathole amnyaka munye, na?

7 UJehova uyakwenamela izinkulungwane zezinqama nezinkulungwane eziyishumi zemifula yamafutha na? Ngiyakunika izibulo lami ngenxa yesiphambeko sami, isithelo sesisu sami ngenxa yesono senhliziyo yami, na?

8 Ukutshelile, muntu, okuhle; uJehova ufunani kuwe, kungabi ngukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa, uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka, na?

9Izwi likaJehova liyamemeza kuwo umuzi. Ukwesaba igama lakho ngukusindiswa; zwanini induku noyimisileyo.

10 Kusekhona inzuzo embi endlini yababi, ne-efa elincane eliqalekiswayo, na?

11 Ukhona ohlanzekile onesilinganiso esibi nesikhwama sezisindo ezikhohlisayo na?

12 Abacebileyo bawo bagcwele ubudlova, nabakhileyo kuwo bakhuluma amanga, nolimi lwabo lunenkohliso emlonyeni wabo.

13Ngalokho mina ngiyakugulisa ngokushaya, ngikuchithe ngenxa yezono zakho.

[14] Comerás e não te fartarás; a fome estará nas tuas entranhas; removerás os teus bens, mas não os livrarás; e aquilo que livrares, eu o entregarei à espada.

[15] Semearás; contudo, não segarás; pisarás a azeitona, porém não te ungirás com azeite; pisarás a vindima; no entanto, não lhe beberás o vinho,

[16] porque observaste os estatutos de Onri e todas as obras da casa de Acabe e andaste nos conselhos deles. Por isso, eu farei de ti uma desolação e dos habitantes da tua cidade, um alvo de vaias; assim, trareis sobre vós o opróbrio dos povos.

Miqueias 7

A corrupção moral de Israel

[1] Ai de mim! Porque estou como quando são colhidas as frutas do verão, como os rabiscos da vindima: não há cacho de uvas para chupar, nem figos temporãos que a minha alma deseja.

[2] Pereceu da terra o piedoso, e não há entre os homens um que seja reto; todos espreitam para derramarem sangue; cada um caça a seu irmão com rede.

[3] As suas mãos estão sobre o mal e o fazem diligentemente; o príncipe exige condenação, o juiz aceita suborno, o grande fala dos maus desejos de sua alma, e, assim, todos eles juntamente urdem a trama.

[4] O melhor deles é como um espinheiro; o mais reto é pior do que uma sebe de

[14] Lapho udlayo, awuyikusutha, kube khona ukulamba phakathi kwakho; uyakususa, ungakhululi kodwa, nokukhululayo ngiyakukukhaphela enkembeni.

[15] Uyakutshala, ungavuni kodwa; uyakunyathela iminqumo, ungazigcobi kodwa ngamafutha, nezithelo zomvini, ungaliphuzi nokho iwayini.

[16]Izimiso zika-Omri ziyagcinwa, nazo zonke izenzo zendlu ka-Ahabi; nihamba ngamacebo abo; ngalokho ngiyakunenza incithakalo nabakhileyo khona into encimfelwayo; niyakuthwala ihlazo labantu bami.

UMika 7

Izono zesizwe sakwa-Israyeli

[1] Maye kimi! Ngokuba nginjengokuvunwa kwezithelo zasehlobo, njengokukhothozwa komvini; akukho hlukuzo lokudliwa; umphefumulo wami uyafisa ikhiwane eliyingqalabutho.

[2] Abathembekileyo babhubhile emhlabeni, akakho oqotho phakathi kwabantu; bonke baqamekela igazi; bayazingelana, kube yilowo nalowo umfowabo ngenetha.

[3] Izandla zabo ziphezu kokubi ukukuthuthukisa; isikhulu sinesicelo, umahluleli ubheka umvuzo; omkhulu ukhuluma ngesifiso somphefumulo wakhe; bayakwalukanisa.

[4]Omuhle wabo unjengobobe, olungileyo mubi kunothango lwameva; usuku

espinhos. É chegado o dia anunciado por tuas sentinelas, o dia do teu castigo; aí está a confusão deles.

5 Não creiais no amigo, nem confieis no companheiro. Guarda a porta de tua boca àquela que reclina sobre o teu peito.

6 Porque o filho despreza o pai, a filha se levanta contra a mãe, a nora, contra a sogra; os inimigos do homem são os da sua própria casa.

7 Eu, porém, olharei para o SENHOR e esperarei no Deus da minha salvação; o meu Deus me ouvirá.

O Senhor se compadece de Israel

8 Ó inimiga minha, não te alegres a meu respeito; ainda que eu tenha caído, levantar-me-ei; se morar nas trevas, o SENHOR será a minha luz.

9 Sofrerei a ira do SENHOR, porque pequei contra ele, até que julgue a minha causa e execute o meu direito; ele me tirará para a luz, e eu verei a sua justiça.

10 A minha inimiga verá isso, e a ela cobrirá a vergonha, a ela que me diz: Onde está o SENHOR, teu Deus? Os meus olhos a contemplarão; agora, será pisada aos pés como a lama das ruas.

11 No dia da reedificação dos teus muros, nesse dia, serão os teus limites removidos para mais longe.

12 Nesse dia, virão a ti, desde a Assíria até às cidades do Egito, e do Egito até ao rio Eufrates, e do mar até ao mar, e da montanha até à montanha.

lwabalindi bakho nolokuhanjelwa kwakho lufikile; sekuyakuba ngukukhungatheka kubo.

5Ningamethembi umngane, ningakholwa ngumhlobo; gcina iminyango yomlomo wakho kuye olala ngasesifubeni sakho.

6 Ngokuba indodana idelela uyise; indodakazi ivukela unina; umalokazana uvukela uninazala, nezitha zomuntu ngamadoda endlu yakhe.

7Kepha mina ngiyakumbheka uJehova; ngiyakulindela uNkulunkulu wokusindiswa kwami; uNkulunkulu wami uyakungizwa.

8Ungathokozi ngami, sitha sami; ngokuba uma ngiwile, ngiyakuvuka; lapho ngihlezi ebumnyameni, uJehova uzakuba ngukukhanya kwami.

9Ngiyakuthwala ulaka lukaJehova, ngokuba ngonile kuye, aze amele indaba yami, angenzele ukwahlulelwa, angiphumisele ekukhanyeni, ngibone ukulunga kwakhe.

10 Isitha sami siyakukubona, sisitshekelwe ngamahloni, esona besithi kimi: Uphi uJehova uNkulunkulu wakho? Amehlo ami ayakusibona; manje siyakunyathelwa njengodaka lwasezitaladini.

11 Kuyakufika usuku lokwakha izingange zakho; ngalolo suku umkhawulo wakho uyakudediselwa kude.

12 Ngalolo suku bayakufika kuwe bevela e-Asiriya nasemizini yaseGibithe, kusukela eGibithe kuze kube seMfuleni,

kusukela elwandle kuze kube selwandle, kusukela entabeni kuze kube sentabeni.

[13] Todavia, a terra será posta em desolação, por causa dos seus moradores, por causa do fruto das suas obras.

[13]Kepha izwe liyakuba yincithakalo ngenxa yabakhileyo kulo ngezenzo zabo.

[14] Apascenta o teu povo com o teu bordão, o rebanho da tua herança, que mora a sós no bosque, no meio da terra fértil; apascentem-se em Basã e Gileade, como nos dias de outrora.

[14] Yalusa abantu bakho ngentonga yakho, izimvu zefa lakho ezihlala zodwa ehlathini phakathi kweKarmeli; mazaluke eBashani nakwaGileyadi njengasezinsukwini zasendulo.

[15] Eu lhe mostrarei maravilhas, como nos dias da tua saída da terra do Egito.

[15] Njengasezinsukwini zokuphuma kwakho ezweni laseGibithe ngiyakubabonisa izimangaliso.

[16] As nações verão isso e se envergonharão de todo o seu poder; porão a mão sobre a boca, e os seus ouvidos ficarão surdos.

[16] Abezizwe bayakubona, babe namahloni ngamandla abo onke, babeke isandla sabo emlonyeni wabo, izindlebe zabo zibe yizithulu.

[17] Lamberão o pó como serpentes; como répteis da terra, tremendo, sairão dos seus esconderijos e, tremendo, virão ao SENHOR, nosso Deus; e terão medo de ti.

[17] Bayakukhotha uthuli njengenyoka, baphume bethuthumela njengezinto ezinabuzelayo emhlabathini ezindaweni zazo ezivalelweyo, bafike ngokuqhaqhazela kuJehova uNkulunkulu wethu, besabe ngenxa yakho.

[18] Quem, ó Deus, é semelhante a ti, que perdoas a iniqüidade e te esqueces da transgressão do restante da tua herança? O SENHOR não retém a sua ira para sempre, porque tem prazer na misericórdia.

[18] Ngubani onguNkulunkulu onjengawe othethelela insali yefa lakho ububi bayo, uyiyekele isiphambeko sayo, na? Akabambeleli entukuthelweni yakhe kuze kube phakade, ngokuba wenamela umusa.

[19] Tornará a ter compaixão de nós; pisará aos pés as nossas iniqüidades e lançará todos os nossos pecados nas profundezas do mar.

[19]Uyakubuye asibekezelele, anyathele phansi ububi bethu; yebo, uyakuphonsa zonke izono zabo ekujuleni kolwandle.

[20] Mostrarás a Jacó a fidelidade e a Abraão, a misericórdia, as quais juraste a nossos pais, desde os dias antigos.

[20]Uyakunika uJakobe ukuthembeka no-Abrahama umusa owakufungela obaba kwasezinsukwini zasendulo.

Naum	UNahume

Naum 1

A ira e a misericórdia de Deus

[1] Sentença contra Nínive. Livro da visão de Naum, o elcosita.

[2] O SENHOR é Deus zeloso e vingador, o SENHOR é vingador e cheio de ira; o SENHOR toma vingança contra os seus adversários e reserva indignação para os seus inimigos.

[3] O SENHOR é tardio em irar-se, mas grande em poder e jamais inocenta o culpado; o SENHOR tem o seu caminho na tormenta e na tempestade, e as nuvens são o pó dos seus pés.

[4] Ele repreende o mar, e o faz secar, e míngua todos os rios; desfalecem Basã e o Carmelo, e a flor do Líbano se murcha.

[5] Os montes tremem perante ele, e os outeiros se derretem; e a terra se levanta diante dele, sim, o mundo e todos os que nele habitam.

[6] Quem pode suportar a sua indignação? E quem subsistirá diante do furor da sua ira? A sua cólera se derrama como fogo, e as rochas são por ele demolidas.

[7] O SENHOR é bom, é fortaleza no dia da angústia e conhece os que nele se refugiam.

[8] Mas, com inundação transbordante, acabará de uma vez com o lugar desta cidade; com trevas, perseguirá o SENHOR os seus inimigos.

UNahume 1

Ukushisekela kukaNkulunkulu nomusa wakhe

[1]Isiprofetho ngeNineve, incwadi yombono kaNahume wase-Elikoshi.

[2] UJehova unguNkulunkulu oshisekelayo nophindiselayo; uJehova uyaphindisela, ugcwele ukufutheka; uJehova uphindisela kwabamelene naye, ugcinela izitha zakhe intukuthelo.

[3] UJehova wephuza ukuthukuthela, mkhulu ngamandla, akenzi onecala abe msulwa; uJehova unendlela yakhe esivunguvungwini nasesiphephweni, namafu ayibhuqu lezinyawo zakhe.

[4] Uyakhuza ulwandle, alomise, ashise nemifula yonke; iBashani liyawuma kanye neKarmeli, nezimbali zaseLebanoni ziyabuna.

[5] Izintaba ziyathuthumela phambi kwakhe, amagquma ayancibilika; umhlaba uyaphakama ebusweni bakhe, yebo, nakho konke okuhlala kuwo.

[6]Ngubani ongema ebusweni bentukuthelo yakhe na? Ngubani ongema ekufuthekeni kolaka lwakhe na? Ukufutheka kwakhe kuthululiwe njengomlilo, namadwala ayaqhekezeka phambi kwakhe.

[7] UJehova muhle, uyinqaba ngosuku lwenhlupheko, uyabazi abaphephela kuye.

[8] Kepha ngesikhukhula esiphuphumayo uyakuqeda indawo yakhona, axoshele izitha zakhe ebumnyameni.

[9] Que pensais vós contra o SENHOR? Ele mesmo vos consumirá de todo; não se levantará por duas vezes a angústia.
[10] Porque, ainda que eles se entrelaçam como os espinhos e se saturam de vinho como bêbados, serão inteiramente consumidos como palha seca.
[11] De ti, Nínive, saiu um que maquina o mal contra o SENHOR, um conselheiro vil.
[12] Assim diz o SENHOR: Por mais seguros que estejam e por mais numerosos que sejam, ainda assim serão exterminados e passarão; eu te afligi, mas não te afligirei mais.
[13] Mas de sobre ti, Judá, quebrarei o jugo deles e romperei os teus laços.
[14] Porém contra ti, Assíria, o SENHOR deu ordem que não haja posteridade que leve o teu nome; da casa dos teus deuses exterminarei as imagens de escultura e de fundição; farei o teu sepulcro, porque és vil.
[15] Eis sobre os montes os pés do que anuncia boas-novas, do que anuncia a paz! Celebra as tuas festas, ó Judá, cumpre os teus votos, porque o homem vil já não passará por ti; ele é inteiramente exterminado.

Naum 2

O cerco e a tomada de Nínive

[1] O destruidor sobe contra ti, ó Nínive! Guarda a fortaleza, vigia o caminho, fortalece os lombos, reúne todas as tuas forças!

[9]Enikucebayo ngoJehova uyakuqeda yena; ukuhlupheka akuyikuvela ngokwesibili.
[10]Lapho bethandela njengameva, benjengabaminzileyo ophuzweni lwabo, bayakuqedwa nokuqedwa njengamabibi omileyo.
[11]Kuphume kuwe owamcebela uJehova okubi, wanika isiluleko esibi.
[12] Usho kanje uJehova, uthi: Noma benamandla, futhi bebaningi, nokho bayakuqedwa, banyamalale; noma ngikuhluphile, angisayikukuhlupha.
[13]Sengiyakulaphula ijoka eliphezu kwakho, ngigqabule izibopho zakho.
[14]Kepha uJehova uyalezile ngawe ukuthi akusayikuhlwanyelwa okwegama lakho; endlini yawonkulunkulu bakho ngiyakunquma izithombe ezibaziweyo nezibunjiweyo; ngiyakulungisa ithuna lakho, ngokuba awuyinto yalutho.
[15] Bheka ezintabeni izinyawo zoletha izindaba ezinhle, omemezela ukuthula. Gubha imikhosi yakho, Juda, ugcwalise izithembiso zakho, ngokuba omubi akasayikudabula kuwe; unqunyiwe ngokupheleleyo.

UNahume 2

Ukuchithwa kweNineve

[1] Kukhuphukela umchithi kuwe; gcina inqaba, ulinde indlela, uqinise izinkalo zakho, uwenze amandla akho ukuba aqine.

[2] (Porque o SENHOR restaura a glória de Jacó, como a glória de Israel; porque saqueadores os saquearam e destruíram os seus sarmentos.)

[3] Os escudos dos seus heróis são vermelhos, os homens valentes vestem escarlata, cintila o aço dos carros no dia do seu aparelhamento, e vibram as lanças.

[4] Os carros passam furiosamente pelas ruas e se cruzam velozes pelas praças; parecem tochas, correm como relâmpago.

[5] Os nobres são chamados, mas tropeçam em seu caminho; apressam-se para chegar ao muro e já encontram o testudo inimigo armado.

[6] As comportas dos rios se abrem, e o palácio é destruído.

[7] Está decretado: a cidade-rainha está despida e levada em cativeiro, as suas servas gemem como pombas e batem no peito.

[8] Nínive, desde que existe, tem sido como um açude de águas; mas, agora, fogem. Parai! Parai! Clama-se; mas ninguém se volta.

[9] Saqueai a prata, saqueai o ouro, porque não se acabam os tesouros; há abastança de todo objeto desejável.

[10] Ah! Vacuidade, desolação, ruína! O coração se derrete, os joelhos tremem, em

[2] Ngokuba uJehova uyabuyisa ukuphakama kukaJakobe njengokuphakama kuka-Israyeli, lokhu abathululayo bebathululile, bachitha amagatsha emivini yabo.

[3]Izihlangu zamaqhawe akhe zibomvu, amadoda anamandla embethe okubomvu; izinqola zibengezela umlilo ensimbini ngosuku lokuzilungisela kwakhe; imikhonto iyaveva.

[4]Izinqola ziyahlanya ezitaladini, ziyaficana ezigcawini; ukubonakala kwazo kunjengezimbaqa, zigijima njengemibani.

[5]Useyakhumbula izikhulu zakhe, ziyakhubeka ekuhambeni kwazo; zisheshela izingange zakhona, izivikelo ziyalungiswa.

[6]Amasango emifula ayavulwa, indlu yamakhosi iyancibilika.

[7]Kunqunyiwe: liyambulwa, lisuswe; izincekukazi zalo zibubula ngezwi lamajuba, zibetha phezu kwezinhliziyo zazo.

[8]Kepha iNineve linjengechibi lamanzi kwasendulo, nokho bayabaleka. Yimani, yimani! Kepha akakho ophendukayo.

[9]Phangani isiliva! Phangani igolide! Ngokuba akukho ukuphela kokunqwatshelweyo nokukhazimula kwazo zonke izinto ezinxanelekayo.

[10] Liyize, alisenalutho, lichithekile; inhliziyo iyancibilika, amadolo

todos os lombos há angústia, e o rosto de todos eles empalidece.

11 Onde está, agora, o covil dos leões e o lugar do pasto dos leõezinhos, onde passeavam o leão, a leoa e o filhote do leão, sem que ninguém os espantasse?

12 O leão arrebatava o bastante para os seus filhotes, estrangulava a presa para as suas leoas, e enchia de vítimas as suas cavernas, e os seus covis, de rapina.

13 Eis que eu estou contra ti, diz o SENHOR dos Exércitos; queimarei na fumaça os teus carros, a espada devorará os teus leõezinhos, arrancarei da terra a tua presa, e já não se ouvirá a voz dos teus embaixadores.

Naum 3

A ruína completa de Nínive

1 Ai da cidade sanguinária, toda cheia de mentiras e de roubo e que não solta a sua presa!

2 Eis o estalo de açoites e o estrondo das rodas; o galope de cavalos e carros que vão saltando;

3 os cavaleiros que esporeiam, a espada flamejante, o relampejar da lança e multidão de traspassados, massa de cadáveres, mortos sem fim; tropeça gente sobre os mortos.

4 Tudo isso por causa da grande prostituição da bela e encantadora meretriz, da mestra de feitiçarias, que

ayashayana, imihelo isezinkalweni zonke, nobuso babo bonke buphaphathekile.

11 Uphi umphandu wezingonyama, nedlelo lamabhongo ezingonyama, lapho kwahamba ingonyama nengonyamakazi nebhongo lengonyama, kungekho okwesabisayo na?

12 Ingonyama yadwengula okwanele amabhongo ayo, yabindela izingonyamakazi zayo; yagcwalisa imiphandu yayo ngempango nemigede yayo ngengcugco.

13 Bheka, ngimelene nawe, usho uJehova Sebawoti; ngiyakushisa izinqola zakho emsini, inkemba idle amabhongo akho ezingonyama; ngiyakunquma impango yakho emhlabeni, nezwi lezithunywa zakho alisayikuzwakala.

UNahume 3

Ukuziphakamisa kweNineve nokujeziswa kwalo

1 Wo kumuzi wezingazi! Wonke ugcwele amanga nempango, ukuphanga akupheli.

2 Ngukuqhuma kwesiswebhu, nomsindo wokugodlozela kwamasondo, namahhashi agadulayo, nezinqola ezixhumayo;

3 ngabamahhashi abasukelayo, nenkemba enjengelangabi, nomkhonto onyazimayo, abaningi ababuleweyo nenqwaba yezidumbu, kungekho ukuphela kwezidikadika; bakhubeka ngezidikadika zabo,

4 ngenxa yobuningi bobufebe besifebe esibukekayo, umnikazi wokulumba,

vendia os povos com a sua prostituição e as gentes, com as suas feitiçarias.
[5] Eis que eu estou contra ti, diz o SENHOR dos Exércitos; levantarei as abas de tua saia sobre o teu rosto, e mostrarei às nações a tua nudez, e aos reinos, as tuas vergonhas.

[6] Lançarei sobre ti imundícias, tratar-te-ei com desprezo e te porei por espetáculo.

[7] Há de ser que todos os que te virem fugirão de ti e dirão: Nínive está destruída; quem terá compaixão dela? De onde buscarei os que te consolem?

[8] És tu melhor do que Nô-Amom, que estava situada entre o Nilo e seus canais, cercada de águas, tendo por baluarte o mar e ainda o mar, por muralha?

[9] Etiópia e Egito eram a sua força, e esta, sem limite; Pute e Líbia, o seu socorro.

[10] Todavia, ela foi levada ao exílio, foi para o cativeiro; também os seus filhos foram despedaçados nas esquinas de todas as ruas; sobre os seus nobres lançaram sortes, e todos os seus grandes foram presos com grilhões.
[11] Também tu, Nínive, serás embriagada e te esconderás; também procurarás refúgio contra o inimigo.
[12] Todas as tuas fortalezas são como figueiras com figos temporãos; se os sacodem, caem na boca do que os há de comer.

esithengisa izizwe ngobufebe baso, nemindeni ngamalumbo aso.

[5] Bheka, ngimelene nawe, usho uJehova Sebawoti; ngiyakuphakamisa imiphetho yakho ebusweni bakho, ngibonise izizwe ubunqunu bakho, nemibuso ihlazo lakho.

[6]Ngiyakuphonsa okunengakayo phezu kwakho, ngikuhlazise, ngikubeke ube yinto ebukwayo.
[7]Kuyakuthi bonke abakubonayo bakubalekele, bathi: INineve lichithekile, ngubani oyakulililela na? Ngiyakukufunelaphi abaduduzi na?
[8] Umuhle wena kuneNo Amoni elaliphakathi kwemifula, elalizungezwe ngamanzi, elilugange lwalo lwalululwandle, nelidonga lwalo lungamanzi, na?
[9] IKushe neGibithe kwakungamandla alo angenakuphela; uPhuthi namaLubi babe ngabasizi bakho.

[10]Nalo lamukiswa, laya ekuthunjweni, nezingane zalo zachotshozwa ezingosini zazo zonke izitaladi; benza inkatho ngezikhulu zalo, nabo bonke abakhulu balo baboshwa ngamaketanga.

[11]Uyakudakwa nawe, ufihlwe; futhi uyakufuna inqaba yokubalekela izitha.

[12]Zonke izinqaba zakho ziyimikhiwane enamakhiwane ayingqalabutho; uma inyakaziswa, awela emlonyeni wodlayo.

[13] Eis que as tuas tropas, no meio de ti, são como mulheres; as portas do teu país estão abertas de par em par aos teus inimigos; o fogo consome os teus ferrolhos.

[14] Tira água para o tempo do cerco, fortifica as tuas fortalezas, entra no barro e pisa a massa, toma a forma para os ladrilhos.

[15] No entanto, o fogo ali te consumirá, a espada te exterminará, consumir-te-á como o gafanhoto. Ainda que te multiplicas como o gafanhoto e te multiplicas como a locusta;

[16] ainda que fizeste os teus negociantes mais numerosos do que as estrelas do céu, o gafanhoto devorador invade e sai voando.

[17] Os teus príncipes são como os gafanhotos, e os teus chefes, como os gafanhotos grandes, que se acampam nas sebes nos dias de frio; em subindo o sol, voam embora, e não se conhece o lugar onde estão.

[18] Os teus pastores dormem, ó rei da Assíria; os teus nobres dormitam; o teu povo se derrama pelos montes, e não há quem o ajunte.

[19] Não há remédio para a tua ferida; a tua chaga é incurável; todos os que ouvirem a tua fama baterão palmas sobre ti; porque sobre quem não passou continuamente a tua maldade?

[13] Bheka, abantu bakho phakathi kwakho bangabesifazane nje; amasango ezwe lakho avulekele impela izitha zakho, umlilo udlile imigoqo yakho.

[14]Zikhelele amanzi okuvinjezelwa, uqinise izinqaba zakho; ngena odakeni, uxove ibumba, uqinise uhonela.

[15]Lapho umlilo uyakukuqeda, inkemba ikunqume, ikudle njengenkasa; zandise njengenkasa, zandise njengesikhonyane!

[16]Wandisile abathengisi bakho kunezinkanyezi zezulu; inkasa iyakhula, indize imuke.

[17]Izikhulu zakho zinjengezinkumbi, nezinduna zakho zinjengamaqulo esikhonyane esihlezi phakathi kwezingange ngosuku olumakhaza, kepha lapho liphuma ilanga, sindize simuke, ingabe isaziwa indawo yaso ukuthi iphi.

[18] Abelusi bakho balele, nkosi yase-Asiriya; abakhulu bakho bayaphumula; abantu bakho bahlakazekile ezintabeni, akakho obabuthayo.

[19] Akukho ukupholiswa kokwaphulwa kwakho; umvimbo wakho unzima; bonke abezwa umbiko ngawe bashaya izandla ngawe, ngokuba ngubani ububi bakho obungadlulelanga njalo phezu kwakhe na?

Habacuque	UHabakuki

Habacuque 1

A iniquidade de Judá

1 Sentença revelada ao profeta Habacuque.

2 Até quando, SENHOR, clamarei eu, e tu não me escutarás? Gritar-te-ei: Violência! E não salvarás?

3 Por que me mostras a iniqüidade e me fazes ver a opressão? Pois a destruição e a violência estão diante de mim; há contendas, e o litígio se suscita.

4 Por esta causa, a lei se afrouxa, e a justiça nunca se manifesta, porque o perverso cerca o justo, a justiça é torcida.

Judá será castigado pelos caldeus

5 Vede entre as nações, olhai, maravilhai-vos e desvanecei, porque realizo, em vossos dias, obra tal, que vós não crereis, quando vos for contada.

6 Pois eis que suscito os caldeus, nação amarga e impetuosa, que marcham pela largura da terra, para apoderar-se de moradas que não são suas.

7 Eles são pavorosos e terríveis, e criam eles mesmos o seu direito e a sua dignidade.

8 Os seus cavalos são mais ligeiros do que os leopardos, mais ferozes do que os lobos ao anoitecer são os seus cavaleiros que se espalham por toda parte; sim, os seus

UHabakuki 1

UHabakuki ukhala kuNkulunkulu

1 Isiprofetho owasibonayo uHabakuki umprofethi.

2 Ngiyakukuncenga kuze kube nini, Jehova, ungezwa, ngikhala ngendluzula, ungasindisi, na?

3 Ungiboniselani ububi, ungibhekise ukukhathazeka na? Ngokuba ukuchitheka nendluzula kuphambi kwami; kukhona ukulwa, ukuxabana kuyaqhamuka.

4 Ngalokho umthetho uba buthakathaka, nokwahlulela akuphumi kuze kube nini, ngokuba omubi uhaqa olungileyo; ngalokho ukwahlulela kuphuma kuhlanekezelwe.

UNkulunkulu uvusela u-Israyeli amaKaledi

5 Bonani phakathi kwabezizwe, nibheke, nimangale nokumangala, ngokuba wenza isenzo ezinsukwini zenu eningayikukholwa yiso, lapho silandwa.

6 Ngokuba bhekani, ngiyavusa amaKaledi, isizwe esibabayo nesiphulukundlelayo, esidabula ebubanzini bomhlaba ukuyokudla izindawo zokuhlala ezingeyizo ezaso.

7 Siyethusa, siyesabeka; kuphuma kuso ukwahlulela kwaso nesithunzi saso.

8 Amahhashi aso anejubane kunezingwe, anonya kunezimpisi zakusihlwa; abamahhashi baso bayaqinisela; yebo, bavela kude abamahhashi baso, bandiza njengokhozi oluphuthuma ukudla.

cavaleiros chegam de longe, voam como águia que se precipita a devorar.

[9] Eles todos vêm para fazer violência; o seu rosto suspira por seguir avante; eles reúnem os cativos como areia.

[10] Eles escarnecem dos reis; os príncipes são objeto do seu riso; riem-se de todas as fortalezas, porque, amontoando terra, as tomam.

[11] Então, passam como passa o vento e seguem; fazem-se culpados estes cujo poder é o seu deus.

A intercessão do profeta

[12] Não és tu desde a eternidade, ó SENHOR, meu Deus, ó meu Santo? Não morreremos. Ó SENHOR, para executar juízo, puseste aquele povo; tu, ó Rocha, o fundaste para servir de disciplina.

[13] Tu és tão puro de olhos, que não podes ver o mal e a opressão não podes contemplar; por que, pois, toleras os que procedem perfidamente e te calas quando o perverso devora aquele que é mais justo do que ele?

[14] Por que fazes os homens como os peixes do mar, como os répteis, que não têm quem os governe?

[15] A todos levanta o inimigo com o anzol, pesca-os de arrastão e os ajunta na sua rede varredoura; por isso, ele se alegra e se regozija.

[16] Por isso, oferece sacrifício à sua rede e queima incenso à sua varredoura; porque por elas enriqueceu a sua porção, e tem gordura a sua comida.

[9]Zonke zifikela indluzula, ubuso bazo bujonga phambili; zibutha abathunjwa njengesihlabathi.

[10]Yebo, sibhinqa amakhosi, nababusi balusulu kuso; sihleka zonke izinqaba, sinqwabela uthuli, sizithathe.

[11]Bese sikhukhula njengomoya, sidlule, sizitholele icala, sona esimandla aso angunkulunkulu waso.

[12] Wena Jehova Nkulunkulu wami, oNgcwele, awungowasendulo na? Asiyikufa; Jehova, usinqumele ukwahlulelwa; wena Dwala, usimisele ukujeziswa.

[13] Wena omehlo akho ahlambulukile ukuba ungaboni okubi, ungenakubheka ukuhlanekezela, ubhekelani abakhohlisayo, uthulelani lapho omubi egwinya olungileyo kunaye,

[14]wenze abantu babe njengezinhlanzi zaselwandle, njengezilwanyana ezinwabuzelayo ezingenambusi phezu kwazo na?

[15]Uyabakhipha bonke ngodobo, abadonse ngenetha, ababuthe ngenetha lakhe elihudulwayo; ngalokho uyathokoza, uyajabula.

[16]Ngalokho uyahlabela inetha lakhe, ashisele inetha lakhe elihudulwayo impepho, ngokuba isabelo sakhe siyanona ngakho, kube mnandi ukudla kwakhe.

[17] Acaso, continuará, por isso, esvaziando a sua rede e matando sem piedade os povos?

Habacuque 2

A resposta do Senhor

[1] Pôr-me-ei na minha torre de vigia, colocar-me-ei sobre a fortaleza e vigiarei para ver o que Deus me dirá e que resposta eu terei à minha queixa.

[2] O SENHOR me respondeu e disse: Escreve a visão, grava-a sobre tábuas, para que a possa ler até quem passa correndo.

[3] Porque a visão ainda está para cumprir-se no tempo determinado, mas se apressa para o fim e não falhará; se tardar, espera-o, porque, certamente, virá, não tardará.

[4] Eis o soberbo! Sua alma não é reta nele; mas o justo viverá pela sua fé.

[5] Assim como o vinho é enganoso, tampouco permanece o arrogante, cuja gananciosa boca se escancara como o sepulcro e é como a morte, que não se farta; ele ajunta para si todas as nações e congrega todos os povos.

Cinco ais sobre os caldeus

[6] Não levantarão, pois, todos estes contra ele um provérbio, um dito zombador? Dirão: Ai daquele que acumula o que não é seu (até quando?), e daquele que a si mesmo se carrega de penhores!

[17]Ngalokho uyakuthulula inetha lakhe, abulale njalo izizwe ngokunganqamukiyo, na?

UHabakuki 2

Ukwahlulelwa kwezizwe

[1] Ngiyakuma endaweni yami yokulinda, ngigcule enqabeni, ngikhangele ukubona ukuthi uyakukhulumani kimi nokuthi ngiyakuphendulani ngokusola kwami.

[2] UJehova wangiphendula wathi: Wulobe umbono, uwuqophe ezibhebheni ukuba kufundwe kalula.

[3]Ngokuba umbono usengowesikhathi esimisiweyo; uphuthuma ekupheleni, awuyikukhohlisa; noma ulibala, wulindele, ngokuba uyakufika nokufika, awuyikwephuza.

[4] Bheka, umphefumulo wakhe uziphakamisile, awuqotho phakathi kwakhe, kepha olungileyo uzakuphila ngokukholwa kwakhe.

[5] Yebo, iwayini liyakhohlisa, lingumuntu okhukhumeleyo ongayikuma, owandisa ukufisa kwakhe njengendawo yabafileyo; unjengokufa: akasuthi; uyazibuthela zonke izizwe, uziqoqela bonke abantu.

[6] Bona abayikuphakamisa isaga nomfanekiso wemfumbe ngaye, bathi: Wo kuyena owandisa okungesikho okwakhe koze kube nini na? -- nozisindisa ngezibambiso!

[7] Não se levantarão de repente os teus credores? E não despertarão os que te hão de abalar? Tu lhes servirás de despojo.

[8] Visto como despojaste a muitas nações, todos os mais povos te despojarão a ti, por causa do sangue dos homens e da violência contra a terra, contra a cidade e contra todos os seus moradores.

[9] Ai daquele que ajunta em sua casa bens mal adquiridos, para pôr em lugar alto o seu ninho, a fim de livrar-se das garras do mal!

[10] Vergonha maquinaste para a tua casa; destruindo tu a muitos povos, pecaste contra a tua alma.

[11] Porque a pedra clamará da parede, e a trave lhe responderá do madeiramento.

[12] Ai daquele que edifica a cidade com sangue e a fundamenta com iniqüidade!

[13] Não vem do SENHOR dos Exércitos que as nações labutem para o fogo e os povos se fatiguem em vão?

[14] Pois a terra se encherá do conhecimento da glória do SENHOR, como as águas cobrem o mar.

[15] Ai daquele que dá de beber ao seu companheiro, misturando à bebida o seu furor, e que o embebeda para lhe contemplar as vergonhas!

[16] Serás farto de opróbrio em vez de honra; bebe tu também e exibe a tua incircuncisão; chegará a tua vez de tomares o cálice da mão direita do

[7]Abayikuvuka ngokuzumayo abakulumayo, bavuke abakuthuthumelisayo, ube yimpango yabo, na?

[8] Ngokuba wena uphangile izizwe eziningi, bonke abanye abantu bayakuphanga wena, ngenxa yezingazi zabantu nendluzula eyenziwe ezweni, nasemzini, nakubo bonke abakhe kuwo.

[9] Wo kozuzela indlu yakhe inzuzo embi ukuba abeke isidleke sakhe phezulu ukuyophulwa esandleni sobubi!

[10]Ucebele indlu yakho okubi ngokuchitha abantu abaningi, wona kuwo umphefumulo wakho.

[11] Ngokuba amatshe ayakukhala esodongeni, nomshayo uyakuwaphendula usemithini.

[12] Wo kowakha umuzi ngezingazi, aqinise idolobha ngobubi!

[13] Bheka, akuveli kuJehova Sebawoti ukuthi abantu bakhandlekela umlilo, izizwe zizikhathaze ngokuyize, na?

[14] Ngokuba umhlaba uyakugcwala ukwazi inkazimulo kaJehova, njengamanzi asibekela ulwandle.

[15] Wo komphuzisa umngane wakhe, axube nokufutheka, amdakise, ukuze abuke ubunqunu bakhe!

[16] Uyakusuthiswa ngehlazo esikhundleni senkazimulo, uphuze nawe, wambule ijwabu, indebe yesandla sokunene

SENHOR, e ignomínia cairá sobre a tua glória.

[17] Porque a violência contra o Líbano te cobrirá, e a destruição que fizeste dos animais ferozes te assombrará, por causa do sangue dos homens e da violência contra a terra, contra a cidade e contra todos os seus moradores.

[18] Que aproveita o ídolo, visto que o seu artífice o esculpiu? E a imagem de fundição, mestra de mentiras, para que o artífice confie na obra, fazendo ídolos mudos?

[19] Ai daquele que diz à madeira: Acorda! E à pedra muda: Desperta! Pode o ídolo ensinar? Eis que está coberto de ouro e de prata, mas, no seu interior, não há fôlego nenhum.

[20] O SENHOR, porém, está no seu santo templo; cale-se diante dele toda a terra.

Habacuque 3

A oração de Habacuque

[1] Oração do profeta Habacuque sob a forma de canto.

[11]Ngase ngithatha, ngithi kuyo: Iyini le minqumo emibili ngakwesokunene sothi lwezibani nangakwesokhohlo salo na?
[12]Ngathatha ngokwesibili, ngathi kuyo: Ayini lawa magatsha amabili eminqumo aseceleni kwemibhobho emibili yegolide, athululwa ngayo amafutha egolide na?
[13]Yangiphendula yathi: Awazi ukuthi ayini? Ngathi: Qha, nkosi.
[14] Yayisithi: Lawa angabagcotshiweyo ababili abemi ngaseNkosini yomhlaba wonke.

UZakariya 5

Umqulu wencwadi ondizayo

[1]Ngabuye ngaphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, nanko umqulu wencwadi ondizayo.
[2]Yathi kimi: Ubonani na? Ngathi: Ngibona umqulu wencwadi ondizayo, ubude bawo buyizingalo ezingamashumi amabili, nobubanzi bawo buyizingalo eziyishumi.
[3] Yayisithi kimi: Nasi isiqalekiso esiphumela ebusweni bomhlaba wonke, ngokuba ngokusho kwaso bonke abebayo bayakunqunywa lapha, nabo bonke abafungayo bayakunqunywa lapha ngokusho kwaso.
[4] Ngiyakusiphumisa, usho uJehova Sebawoti, Singene endlini yesela nasendlini yofunga amanga ngegama lami, sihlale phakathi kwendlu yakhe, siyiqede kanye nemithi yayo namatshe ayo.

Owesifazane ose-efeni*

[5] Saiu o anjo que falava comigo e me disse: Levanta, agora, os olhos e vê que é isto que sai.

[6] Eu perguntei: que é isto? Ele me respondeu: É um efa que sai. Disse ainda: Isto é a iniqüidade em toda a terra.

[7] Eis que foi levantada a tampa de chumbo, e uma mulher estava sentada dentro do efa.

[8] Prosseguiu o anjo: Isto é a impiedade. E a lançou para o fundo do efa, sobre cuja boca pôs o peso de chumbo.

[9] Levantei os olhos e vi, e eis que saíram duas mulheres; havia vento em suas asas, que eram como de cegonha; e levantaram o efa entre a terra e o céu.

[10] Então, perguntei ao anjo que falava comigo: para onde levam elas o efa?

[11] Respondeu-me: Para edificarem àquela mulher uma casa na terra de Sinar, e, estando esta acabada, ela será posta ali em seu próprio lugar.

Zacarias 6

A oitava visão: os quatro carros

[1] Outra vez, levantei os olhos e vi, e eis que quatro carros saíam dentre dois montes, e estes montes eram de bronze.

[2] No primeiro carro, os cavalos eram vermelhos, no segundo, pretos,

[5]Yayisiphuma ingelosi eyayikhuluma nami, yathi kimi: Ake uphakamise amehlo akho, ubone ukuthi kuyini lokhu okuphumayo.

[6]Ngathi: Kuyini? Yathi: Lokhu kuyi-efa eliphumayo. Yabuye yathi: Lokhu kungububi babo ezweni lonke.

[7]Bheka, isisibekelo somthofu saziphakamisa, kwakungowesifazane owahlala phakathi kwe-efa.

[8]Yathi: Lokhu kungububi. Wamphonsa phakathi kwe-efa, waphonsa isisindo somthofu emlonyeni walo.

[9]Ngase ngiphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, kwaphuma abesifazane ababili, umoya usemaphikweni abo; babe namaphiko njengamaphiko kanogolantethe, baliphakamisa i-efa emkhathini wezulu nomhlaba.

[10]Ngase ngithi kuyo ingelosi eyayikhuluma nami: Laba baliyisaphi i-efa na?

[11]Yathi kimi: Ukulakhela indlu ezweni laseShineyari; isilungisiwe liyakubekwa khona endaweni yalo.

UZakariya 6

Izinqola ezine

[1]Ngabuye ngaphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, kwaphuma izinqola ezine phakathi kwezintaba ezimbili; izintaba zaziyizintaba zethusi.

[2] Enqoleni yokuqala kwakukhona amahhashi abomvu, nasenqoleni yesibili amahhashi amnyama,

[3] no terceiro, brancos e no quarto, baios; todos eram fortes.

[4] Então, perguntei ao anjo que falava comigo: que é isto, meu senhor?

[5] Respondeu-me o anjo: São os quatro ventos do céu, que saem donde estavam perante o SENHOR de toda a terra.

[6] O carro em que estão os cavalos pretos sai para a terra do Norte; o dos brancos, após eles; o dos baios, para a terra do Sul.
[7] Saem, assim, os cavalos fortes, forcejando por andar avante, para percorrerem a terra. O SENHOR lhes disse: Ide, percorrei a terra. E percorriam a terra.

[8] E me chamou e me disse: Eis que aqueles que saíram para a terra do Norte fazem repousar o meu Espírito na terra do Norte.

A coroação de Josué. O Renovo

[9] A palavra do SENHOR veio a mim, dizendo:
[10] Recebe dos que foram levados cativos, a saber, de Heldai, de Tobias e de Jedaías, e vem tu no mesmo dia e entra na casa de Josias, filho de Sofonias, para a qual vieram da Babilônia.

[11] Recebe, digo, prata e ouro, e faze coroas, e põe-nas na cabeça de Josué, filho de Jozadaque, o sumo sacerdote.

[12] E dize-lhe: Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Eis aqui o homem cujo nome é Renovo; ele brotará do seu lugar e edificará o templo do SENHOR.

[3]nasenqoleni yesithathu amahhashi amhlophe, nasenqoleni yesine amahhashi anala alufipha.
[4]Ngase ngithatha, ngithi kuyo ingelosi eyayikhuluma nami: Ayini lana, nkosi?
[5] Ingelosi yaphendula, yathi kimi: Lana ayimimoya yomine yezulu ephuma ekumeni phambi kweNkosi yomhlaba wonke.
[6]Enamahhashi amnyama iphumela ezweni lasenyakatho; amhlophe ayawalandela; anala aphumela ezweni laseningizimu.
[7] Alufipha aphuma, afuna ukuhambahamba emhlabeni; yathi: Hambani, nihambahambe emhlabeni. Ayesehambahamba emhlabeni.
[8]Yayisimemeza kimi, yakhuluma kimi, yathi: Bheka, aphumela ezweni lasenyakatho, ayakuthulisa uMoya wami ezweni lasenyakatho.

Ukugcotshwa kukaJoshuwa umpristi omkhulu

[9]Lase lifika izwi likaJehova, lathi;

[10] Yamukela kubathunjwa, kuHelidayi, nakuThobiya, nakuJedaya izipho, uhambe wena ngalona lolo suku, ungene endlini kaJosiya indodana kaZefaniya, lapho befike khona bevela eBabele.
[11]Lapho wamukele isiliva negolide, yenza umqhele, uwubeke ekhanda likaJoshuwa indodana kaJehosadaki, umpristi omkhulu,

[12] usho kuye, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bheka, kukhona indoda egama layo linguHlumela; uyakumila

[13] Ele mesmo edificará o templo do SENHOR e será revestido de glória; assentar-se-á no seu trono, e dominará, e será sacerdote no seu trono; e reinará perfeita união entre ambos os ofícios.

[14] As coroas serão para Helém, para Tobias, para Jedaías e para Hem, filho de Sofonias, como memorial no templo do SENHOR.

[15] Aqueles que estão longe virão e ajudarão no edificar o templo do SENHOR, e sabereis que o SENHOR dos Exércitos me enviou a vós outros. Isto sucederá se diligentemente ouvirdes a voz do SENHOR, vosso Deus.

Zacarias 7

O jejum que não agrada a Deus

[1] No quarto ano do rei Dario, veio a palavra do SENHOR a Zacarias, no dia quarto do nono mês, que é quisleu.

[2] Quando de Betel foram enviados Sarezer, e Regém-Meleque, e seus homens, para suplicarem o favor do SENHOR,

[3] perguntaram aos sacerdotes, que estavam na Casa do SENHOR dos Exércitos, e aos profetas: Continuaremos nós a chorar, com jejum, no quinto mês, como temos feito por tantos anos?

[4] Então, a palavra do SENHOR dos Exércitos me veio a mim, dizendo:

endaweni yakhe, akhe ithempeli likaJehova.

[13]Yebo, yena uyakulakha ithempeli likaJehova, athwale ubukhosi, ahlale, abuse esihlalweni sakhe sobukhosi, kube khona nompristi esihlalweni sakhe sobukhosi, kube khona ukululekana ngokuthula phakathi kwabo bobabili.

[14]Imiqhele iyakuba yisikhumbuzo sikaHelemi, nesikaThobiya, nesikaJedaya, nesikaHeni, indodana kaZefaniya, ethempelini likaJehova.

[15] Abakude bayakufika, bakhe ithempeli likaJehova, nazi ukuthi nguJehova Sebawoti ongithumile kini. Kuyakwenzeka, uma nilalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wenu.

UZakariya 7

Ukuzila okuyikho

[1]Kwathi ngomnyaka wesine wenkosi uDariyu izwi likaJehova lafika kuZakariya ngolwesine lwenyanga eyisishiyagalolunye, ekaKhisilevi.

[2]IBethele lalithume oSareseri noRegemi Meleki namadoda abo ukunxusa kuJehova

[3] nokukhuluma kubapristi abasendlini kaJehova Sebawoti nakubaprofethi ngokuthi: Ngikhale ngenyanga yesihlanu, ngizile, njengalokho ngenzile le minyaka eminingi, na?

[4]Lase lifika izwi likaJehova Sebawoti kimi, lathi:

[5] Fala a todo o povo desta terra e aos sacerdotes: Quando jejuastes e pranteastes, no quinto e no sétimo mês, durante estes setenta anos, acaso, foi para mim que jejuastes, com efeito, para mim?

[6] Quando comeis e bebeis, não é para vós mesmos que comeis e bebeis?

[7] Não ouvistes vós as palavras que o SENHOR pregou pelo ministério dos profetas que nos precederam, quando Jerusalém estava habitada e em paz com as suas cidades ao redor dela, e o Sul e a campina eram habitados?

A desobediência foi a causa do cativeiro

[8] A palavra do SENHOR veio a Zacarias, dizendo:

[9] Assim falara o SENHOR dos Exércitos: Executai juízo verdadeiro, mostrai bondade e misericórdia, cada um a seu irmão;

[10] não oprimais a viúva, nem o órfão, nem o estrangeiro, nem o pobre, nem intente cada um, em seu coração, o mal contra o seu próximo.

[11] Eles, porém, não quiseram atender e, rebeldes, me deram as costas e ensurdeceram os ouvidos, para que não ouvissem.

[12] Sim, fizeram o seu coração duro como diamante, para que não ouvissem a lei, nem as palavras que o SENHOR dos Exércitos enviara pelo seu Espírito, mediante os profetas que nos precederam; daí veio a grande ira do SENHOR dos Exércitos.

[5] Khuluma kubo bonke abantu bezwe nakubo abapristi, uthi: Ekuzileni kwenu nasekulileni ngenyanga yesihlanu nangeyesikhombisa le minyaka engamashumi ayisikhombisa nangizilela nokungizilela mina na?

[6]Lapho nidlayo nalapho niphuzayo, anizidleli, niziphuzela nina, na?

[7] Akusiwo lawa mazwi uJehova awamemezayo ngesandla sabaprofethi bokuqala, lapho iJerusalema lalakhiwe lisabusa, nalapho imizi yalo nxazonke zalo nelaseningizimu nehlanze kwakwakhiwe, na?

[8]Izwi likaJehova lafika kuZakariya, lathi:

[9] Washo kanje uJehova Sebawoti, wathi: Yahlulelani izahlulelo eziqinisileyo, nenze umusa nobubele, kube yilowo nalowo kumfowabo,

[10] ningacindezeli abafelokazi, nezintandane, nabafokazi, nabampofu, kungabi ngoceba okubi ngomfowabo enhliziyweni yakhe.

[11] Kepha bala ukulalela, baphekula ihlombe, benza izindlebe zabo zaba buthuntu ukuba bangezwa.

[12] Benza izinhliziyo zabo zaba yidayimani, funa bezwe umthetho namazwi ayewathume uJehova Sebawoti ngoMoya wakhe ngesandla sabaprofethi bokuqala; ngalokho kwavela intukuthelo enkulu ivela kuJehova Sebawoti.

[13] Visto que eu clamei, e eles não me ouviram, eles também clamaram, e eu não os ouvi, diz o SENHOR dos Exércitos.

[14] Espalhei-os com um turbilhão por entre todas as nações que eles não conheceram; e a terra foi assolada atrás deles, de sorte que ninguém passava por ela, nem voltava; porque da terra desejável fizeram uma desolação.

Zacarias 8

Sião restaurada

[1] Veio a mim a palavra do SENHOR dos Exércitos, dizendo:

[2] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Tenho grandes zelos de Sião e com grande indignação tenho zelos dela.

[3] Assim diz o SENHOR: Voltarei para Sião e habitarei no meio de Jerusalém; Jerusalém chamar-se-á a cidade fiel, e o monte do SENHOR dos Exércitos, monte santo.

[4] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Ainda nas praças de Jerusalém sentar-se-ão velhos e velhas, levando cada um na mão o seu arrimo, por causa da sua muita idade.

[5] As praças da cidade se encherão de meninos e meninas, que nelas brincarão.

[6] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Se isto for maravilhoso aos olhos do restante deste povo naqueles dias, será também

[13] Kwathi njengalokho wamemeza, bona bengezwanga, kanjalo, usho uJehova Sebawoti, bayakumemeza bona, ngingezwa mina.

[14]Ngiyakubahlakazela phakathi kwezizwe zonke abangazazanga. Izwe selichithekile emva kwabo, ukuze kungabikho muntu odlulayo nobuyayo, ngokuba benza izwe elihle laba yincithakalo.

UZakariya 8

Isithembiso sokubuyiswa

[1]Izwi likaJehova Sebawoti lafika lathi:

[2] Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngihawukela iJerusalema ngokuhawukela okukhulu, yebo, ngilihawukela ngokufutheka okukhulu.

[3] Usho kanje uJehova, uthi: Ngiyakubuyela eSiyoni, ngihlale phakathi kweJerusalema; iJerusalema liyakuthiwa uMuzi Weqiniso nentaba kaJehova Sebawoti iNtaba Engcwele.

[4]Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Kusazakuhlala amaxhegu nezalukazi ezitaladini zaseJerusalema, yilowo nalowo abe nodondolo esandleni sakhe ngenxa yobuningi bezinsuku zakhe.

[5]Izitaladi zasemzini ziyakugcwala abafana namantombazana bedlala ezitaladini zawo.

[6]Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Uma kuyisimangaliso emehlweni ensali yalaba bantu ngalezo zinsuku, kuyakuba

maravilhoso aos meus olhos? – diz o SENHOR dos Exércitos.

yisimangaliso emehlweni ami na? usho uJehova Sebawoti.

[7] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Eis que salvarei o meu povo, tirando-o da terra do Oriente e da terra do Ocidente;

[7] Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bhekani, ngiyakusindisa abantu bami ezweni lasempumalanga nasezweni lasentshonalanga,

[8] eu os trarei, e habitarão em Jerusalém; eles serão o meu povo, e eu serei o seu Deus, em verdade e em justiça.

[8]ngibahambise, bakhe phakathi kweJerusalema, babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo ngeqiniso nangokulunga.

[9] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Sejam fortes as mãos de todos vós que nestes dias ouvis estas palavras da boca dos profetas, a saber, nos dias em que foram postos os fundamentos da Casa do SENHOR dos Exércitos, para que o templo fosse edificado.

[9]Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Maziqine izandla zenu nina enizwa kulezi zinsuku lawa mazwi avela emlonyeni wabaprofethi ababe khona mhla sibekwa isisekelo sendlu kaJehova Sebawoti, ithempeli, ukuba yakhiwe.

[10] Porque, antes daqueles dias, não havia salário para homens, nem os animais lhes davam ganho, não havia paz para o que entrava, nem para o que saía, por causa do inimigo, porque eu incitei todos os homens, cada um contra o seu próximo.

[10] Ngokuba ngaphambi kwalezo zinsuku kwakungekho nkokhelo yomuntu nanzuzo yenkomo, nakophumayo nakongenayo kwakungekho ukuthula ngenxa yesitha, ngokuba ngakhulula bonke abantu, kwaba yilowo nalowo wamelana nomfowabo.

[11] Mas, agora, não serei para com o restante deste povo como nos primeiros dias, diz o SENHOR dos Exércitos.

[11]Kepha angisayikuba njalo kuyo insali yalaba bantu njengasezinsukwini zakuqala, usho uJehova Sebawoti.

[12] Porque haverá sementeira de paz; a vide dará o seu fruto, a terra, a sua novidade, e os céus, o seu orvalho; e farei que o resto deste povo herde tudo isto.

[12] Ngokuba kuyakuba khona imbewu yokuthula; umvini uyakuthela izithelo zawo, umhlabathi uveze ukudla kwawo, amazulu anike amazolo awo, ngenze ukuba insali yalaba bantu idle ifa lazo zonke lezi zinto.

[13] E há de acontecer, ó casa de Judá, ó casa de Israel, que, assim como fostes maldição entre as nações, assim vos salvarei, e sereis

[13]Kuyakuthi, njengalokho wawuyisiqalekiso phakathi kwabezizwe wena ndlu yakwaJuda nawe ndlu yakwa-

bênção; não temais, e sejam fortes as vossas mãos.

Israyeli, kanjalo nginisindise, nibe yisibusiso; ningesabi, kepha maziqine izandla zenu.

[14] Porque assim diz o SENHOR dos Exércitos: Como pensei fazer-vos mal, quando vossos pais me provocaram à ira, diz o SENHOR dos Exércitos, e não me arrependi,

[14]Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Njengalokho ngahlosa ukwenza okubi kini, lapho oyihlo babengithukuthelisa, usho uJehova Sebawoti, ngingazisolanga,

[15] assim pensei de novo em fazer bem a Jerusalém e à casa de Judá nestes dias; não temais.

[15]kanjalo ngibuye ngahlosa kulezi zinsuku ukwenzela iJerusalema nendlu yakwaJuda okuhle; ningesabi.

[16] Eis as coisas que deveis fazer: Falai a verdade cada um com o seu próximo, executai juízo nas vossas portas, segundo a verdade, em favor da paz;

[16] Yilezi zinto eniyakuzenza: khulumani iqiniso, kube yilowo nalowo nomfowabo, nahlulele izahlulelo zeqiniso nezokuthula emasangweni enu,

[17] nenhum de vós pense mal no seu coração contra o seu próximo, nem ame o juramento falso, porque a todas estas coisas eu aborreço, diz o SENHOR.

[17]ningacebi okubi ezinhliziyweni zenu, kube yilowo nalowo ngomakhelwane wakhe, ningathandi izifungo zamanga, ngokuba lezo zinto yilezo engizizondayo, usho uJehova.

[18] A palavra do SENHOR dos Exércitos veio a mim, dizendo:

[18]Izwi likaJehova Sebawoti lafika kimi, lathi:

[19] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: O jejum do quarto mês, e o do quinto, e o do sétimo, e o do décimo serão para a casa de Judá regozijo, alegria e festividades solenes; amai, pois, a verdade e a paz.

[19] Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ukuzila kwenyanga yesine, nokuzila kweyesihlanu, nokuzila kweyesikhombisa, nokuzila kweyeshumi kuyakuba ngukujabula nokuthokoza nemikhosi emihle kuyo indlu yakwaJuda; thandani iqiniso nokuthula.

[20] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Ainda sucederá que virão povos e habitantes de muitas cidades;

[20] Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Kusazakufika izizwe nabakhe emizini eminingi,

[21] e os habitantes de uma cidade irão à outra, dizendo: Vamos depressa suplicar o

[21]bahambe abakhileyo komunye, baye komunye, bathi: Masiye impela ukunxusa

favor do SENHOR e buscar ao SENHOR dos Exércitos; eu também irei.

[22] Virão muitos povos e poderosas nações buscar em Jerusalém ao SENHOR dos Exércitos e suplicar o favor do SENHOR.

[23] Assim diz o SENHOR dos Exércitos: Naquele dia, sucederá que pegarão dez homens, de todas as línguas das nações, pegarão, sim, na orla da veste de um judeu e lhe dirão: Iremos convosco, porque temos ouvido que Deus está convosco.

ebusweni bukaJehova, simfune uJehova Sebawoti; nami ngiyakuhamba.

[22]Kuyakufika abantu abaningi nezizwe ezinamandla ukufuna uJehova Sebawoti eJerusalema nokunxusa ebusweni bukaJehova.

[23]Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngalezo zinsuku amadoda ayishumi azo zonke izilimi zabezizwe ayakubamba umphetho womuntu wakwaJuda ngokuthi: Siyakuhamba nani, ngokuba sizwile ukuthi uNkulunkulu unani.

Zacarias 9

O castigo de diversos povos

[1] A sentença pronunciada pelo SENHOR é contra a terra de Hadraque e repousa sobre Damasco, porque o SENHOR põe os olhos sobre os homens e sobre todas as tribos de Israel;

[2] também repousa sobre Hamate, que confina com ele, sobre Tiro e Sidom, cuja sabedoria é grande.

[3] Tiro edificou para si fortalezas e amontoou prata como o pó e ouro, como a lama das ruas.

[4] Eis que o SENHOR a despojará e precipitará no mar a sua força; e ela será consumida pelo fogo.

[5] Asquelom o verá e temerá; também Gaza e terá grande dor; igualmente Ecrom, porque a sua esperança será iludida; o rei de Gaza perecerá, e Asquelom não será habitada.

UZakariya 9

Ukuchithwa kwezitha zakwa-Israyeli

[1] Isiprofetho sezwi likaJehova phezu kwezwe lakwaHadiraki; nalo iDamaseku liyakuba yindawo yokuhlala kwaso, ngokuba uJehova uneso kubantu, ikakhulu kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli,

[2] kanye neHamati elikhawula kulo, neTire neSidoni, ngokuba kuhlakaniphile kakhulu.

[3]ITire lazakhela inqaba, lanqwabela isiliva njengothuli, negolide elicwengekileyo njengodaka lwasezitaladini.

[4]Bheka, iNkosi iyakulaphuca, iphonse imfuyo yalo elwandle, lona lidliwe ngumlilo.

[5] I-Ashikeloni liyakukubona, lesabe, neGaza futhi, bese lithuthumela kakhulu, kanye ne-Ekroni, ngokuba ukwethemba kwalo kuyakujabha; inkosi iyakubhubha eGaza, ne-Ashikeloni aliyikuhlalwa.

[6] Povo bastardo habitará em Asdode, e exterminarei a soberba dos filisteus.

[7] Da boca destes tirarei o sangue dos sacrifícios idólatras e, dentre os seus dentes, tais abominações; então, ficarão eles como um restante para o nosso Deus; e serão como chefes em Judá, e Ecrom, como jebuseu.

[8] Acampar-me-ei ao redor da minha casa para defendê-la contra forças militantes, para que ninguém passe, nem volte; que não passe mais sobre eles o opressor; porque, agora, vejo isso com os meus olhos.

O Rei vem de Sião

[9] Alegra-te muito, ó filha de Sião; exulta, ó filha de Jerusalém: eis aí te vem o teu Rei, justo e salvador, humilde, montado em jumento, num jumentinho, cria de jumenta.

[10] Destruirei os carros de Efraim e os cavalos de Jerusalém, e o arco de guerra será destruído. Ele anunciará paz às nações; o seu domínio se estenderá de mar a mar e desde o Eufrates até às extremidades da terra.

[11] Quanto a ti, Sião, por causa do sangue da tua aliança, tirei os teus cativos da cova em que não havia água.

[12] Voltai à fortaleza, ó presos de esperança; também, hoje, vos anuncio que tudo vos restituirei em dobro.

[6]E-Ashidodi kuyakuhlala umntwana wesihlahla; ngiyakunquma ukuziphakamisa kwamaFilisti.

[7] Ngiyakukhipha igazi labo emlonyeni wabo, nezinengiso zabo phakathi kwamazinyo abo, nabo uqobo babe yinsali kuNkulunkulu wethu, babe ngababusi kwaJuda nase-Ekroni njengamaJebusi.

[8] Ngiyakumisa ngibe yinqaba yendlu yami, ukuze kungabikho odlulayo nobuyayo; akusayikudlula mcindezeli kubo, ngokuba sengibonile ngawami amehlo.

INkosi yaseSiyoni

[9] Thokoza kakhulu, ndodakazi yaseSiyoni; jabula nokujabula, ndodakazi yaseJerusalema; bheka, iNkosi yakho iza kuwe, ilungile, inensindiso, ithobekile, ikhwele imbongolo, ithole, inkonyane yembongolokazi.

[10] Ngiyakunquma inqola kwa-Efrayimi nehhashi eJerusalema, nomnsalo wokulwa uyakunqunywa; iyakukhuluma ukuthula kwabezizwe, nokubusa kwayo kuyakusukela elwandle kuze kufike elwandle, kusukela eMfuleni kuze kufike emajukujukwini omhlaba.

[11] Nawe, ngenxa yegazi lesivumelwano sakho, ngikhiphile iziboshwa zakho emgodini okungekho kuwo amanzi.

[12] Buyelani enqabeni, ziboshwa esezinethemba; namuhla ngiyanitshela ukuthi ngiyakubuyisela kini okuphindwe kabili.

[13] Porque para mim curvei Judá como um arco e o enchi de Efraim; suscitarei a teus filhos, ó Sião, contra os teus filhos, ó Grécia! E te porei, ó Sião, como a espada de um valente.

[14] O SENHOR será visto sobre os filhos de Sião, e as suas flechas sairão como o relâmpago; o SENHOR Deus fará soar a trombeta e irá com os redemoinhos do Sul.

[15] O SENHOR dos Exércitos os protegerá; eles devorarão os fundibulários e os pisarão; também beberão deles o sangue como vinho; encher-se-ão como bacias do sacrifício e ficarão ensopados como os cantos do altar.

[16] O SENHOR, seu Deus, naquele dia, os salvará, como ao rebanho do seu povo; porque eles são pedras de uma coroa e resplandecem na terra dele.

[17] Pois quão grande é a sua bondade! E quão grande, a sua formosura! O cereal fará florescer os jovens, e o vinho, as donzelas.

Zacarias 10

Deus abençoará Judá e Israel

[1] Pedi ao SENHOR chuva no tempo das chuvas serôdias, ao SENHOR, que faz as nuvens de chuva, dá aos homens aguaceiro e a cada um, erva no campo.

[2] Porque os ídolos do lar falam coisas vãs, e os adivinhos vêem mentiras, contam sonhos enganadores e oferecem consolações vazias; por isso, anda o povo

[13]Ngokuba ngizigobela uJuda njengomnsalo, ngibeka u-Efrayimi kuwo, ngivusela amadodana akho, Siyoni, kumadodana akho, Javani, ngikwenze inkemba yeqhawe.

[14]UJehova abesebonakala phezu kwabo, umcibisholo wakhe uphume njengonyazi; iNkosi uJehova iyakubetha icilongo, ihambe ngezivunguvungu zaseningizimu.

[15] UJehova Sebawoti uyakubavikela, badle, banyathele phansi amatshe endwayimana; bayakuphuza igazi labo njengewayini, bagcwale njengemikhele, njengamagumbi e-altare.

[16] UJehova uNkulunkulu wabo uyakubasindisa ngalolo suku njengomhlambi wabantu bakhe, ngokuba bangamatshe omqhele abengezela phezu kwezwe lakhe.

[17] Yeka ubuhle balo! Yeka ukubukeka kwalo! Amabele abo ayakuhlumisa izinsizwa zalo, newayini elisha izintombi zalo.

UZakariya 10

UJehova ungumsizi oqinisileyo

[1] Celani kuJehova imvula ngesikhathi semvula yamuva, uJehova owenza imibani, abesebanika izihlambi zemvula, yilowo nalowo aphiwe utshani ezweni lakhe.

[2] Ngokuba amatherafi akhulumile okuyize, nababhuli babone okungamanga; bakhuluma amaphupho angelutho, baduduza ngeze; ngalokho bayasuka

como ovelhas, aflito, porque não há pastor.

3 Contra os pastores se acendeu a minha ira, e castigarei os bodes-guias; mas o SENHOR dos Exércitos tomará a seu cuidado o rebanho, a casa de Judá, e fará desta o seu cavalo de glória na batalha.

4 De Judá sairá a pedra angular; dele, a estaca da tenda; dele, o arco de guerra; dele sairão todos os chefes juntos.

5 E serão como valentes que, na batalha, pisam aos pés os seus inimigos na lama das ruas; pelejarão, porque o SENHOR está com eles, e envergonharão os que andam montados em cavalos.

6 Fortalecerei a casa de Judá, e salvarei a casa de José, e fá-los-ei voltar, porque me compadeço deles; e serão como se eu não os tivera rejeitado, porque eu sou o SENHOR, seu Deus, e os ouvirei.

7 Os de Efraim serão como um valente, e o seu coração se alegrará como pelo vinho; seus filhos o verão e se alegrarão; o seu coração se regozijará no SENHOR.

8 Eu lhes assobiarei e os ajuntarei, porque os tenho remido; multiplicar-se-ão como antes se tinham multiplicado.

9 Ainda que os espalhei por entre os povos, eles se lembram de mim em lugares remotos; viverão com seus filhos e voltarão.

njengezimvu, bathotshisiwe, ngokuba kungekho umalusi.

3 Intukuthelo yami ivuthele abelusi; ngiyakujezisa izimpongo, ngokuba uJehova Sebawoti uyakuhambela umhlambi wakhe, indlu yakwaJuda, abenze babe njengehhashi elinobukhosi ekulweni.

4 Kuyena kuyakuphuma itshe legumbi, kuyena isikhonkwane, kuyena umnsalo wempi, kuyena bonke ababusi kanyekanye.

5 Bayakuba njengamaqhawe anyathela udaka ezitaladini ekulweni; bayakulwa, ngokuba uJehova unabo, nezinkweli zamahhashi ziyakujabha.

6 Ngiyakuqinisa indlu yakwaJuda, ngisindise indlu yakwaJosefa, ngibabuyise, ngokuba nginomusa kubo, babe kungathi angizange ngibalahle, ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wabo; ngiyakubezwa.

7U-Efrayimi uyakuba njengeqhawe; inhliziyo yabo iyakuthokoza njengangewayini; abantwana babo bayakukubona, bathokoze; inhliziyo yabo iyakujabula kuJehova.

8Ngiyakubahlabela ikhwelo, ngibabuthe, ngokuba ngibahlengile; bayakwanda njengalokho kade banda.

9 Nalapho ngibahlwanyela phakathi kwabantu, bayakungikhumbula ezindaweni ezikude, baphile kanye nabantwana babo, babuye.

[10] Porque eu os farei voltar da terra do Egito e os congregarei da Assíria; trá-los-ei à terra de Gileade e do Líbano, e não se achará lugar para eles.
[11] Passarão o mar de angústia, as ondas do mar serão feridas, e todas as profundezas do Nilo se secarão; então, será derribada a soberba da Assíria, e o cetro do Egito se retirará.
[12] Eu os fortalecerei no SENHOR, e andarão no seu nome, diz o SENHOR.

[10] Ngiyakubabuyisa ezweni laseGibithe, ngibabuthe e-Asiriya, ngibangenise ezweni lakwaGileyadi naseLebanoni, abayikutholelwa indawo.
[11] Bayakudabula elwandle lokuhlupheka, kushaywe amaza olwandle, nezintwa zonke zeNayile ziyakoma, kwehliswe ukuziphakamisa kwe-Asiriya, isuke intonga yaseGibithe.
[12] Ngiyakubaqinisa kuJehova, bahambe egameni lakhe, usho uJehova.

Zacarias 11

[1] Abre, ó Líbano, as tuas portas, para que o fogo consuma os teus cedros.
[2] Geme, ó cipreste, porque os cedros caíram, porque as mais excelentes árvores são destruídas; gemei, ó carvalhos de Basã, porque o denso bosque foi derribado.
[3] Eis o uivo dos pastores, porque a sua glória é destruída! Eis o bramido dos filhos de leões, porque foi destruída a soberba do Jordão!

A parábola do bom pastor

[4] Assim diz o SENHOR, meu Deus: Apascenta as ovelhas destinadas para a matança.
[5] Aqueles que as compram matam-nas e não são punidos; os que as vendem dizem: Louvado seja o SENHOR, porque me tornei rico; e os seus pastores não se compadecem delas.
[6] Certamente, já não terei piedade dos moradores desta terra, diz o SENHOR; eis,

UZakariya 11

Ukuwa kwemithi emihle

[1]Vula iminyango yakho, Lebanoni, ukuba umlilo udle imisedari yakho.
[2]Hhewula, msayipuresi, ngokuba umsedari uyawa, ngokuba emihle iyachithwa; hhewulani nina ma-oki aseBashani, ngokuba ihlathi elingenakudatshulwa liyawa.
[3] Izwi lokukhala kwabelusi! ngokuba udumo lwabo luyachithwa; izwi lokubhonga kwamabhongo ezingonyama! ngokuba ubuhle beJordani buyaqothulwa.

Abelusi bakwa-Israyeli

[4]Usho kanje uJehova uNkulunkulu wami, uthi: Yalusa izimvu zokuhlatshwa,
[5] ezibathengi bazo bazihlaba, bengazithwesi icala bona kodwa, nezibathengisi bazo bathi: Makabongwe uJehova, ngokuba ngiceba njalo, nezibelusi bazo bangazihawukeli.
[6] Ngokuba angisayikubahawukela abakhileyo ezweni, usho uJehova, kepha

porém, que entregarei os homens, cada um nas mãos do seu próximo e nas mãos do seu rei; eles ferirão a terra, e eu não os livrarei das mãos deles.

bheka, ngiyakunikela abantu, kube yilowo nalowo esandleni somakhelwane wakhe nasesandleni senkosi yakhe; bona bayakushaya izwe labo, kepha angiyikubophula esandleni sabo.

[7] Apascentai, pois, as ovelhas destinadas para a matança, as pobres ovelhas do rebanho. Tomei para mim duas varas: a uma chamei Graça, e à outra, União; e apascentei as ovelhas.

[7]Ngase ngalusa izimvu zokuhlatshwa, izimvu ezihluphekayo. Ngazithathela izintonga ezimbili, enye ngayibiza ngokuthi uMusa, nenye ngayibiza ngokuthi uZibopho; ngalusa-ke izimvu.

[8] Dei cabo dos três pastores num mês. Então, perdi a paciência com as ovelhas, e também elas estavam cansadas de mim.

[8]Ngabanquma abelusi bobathathu ngenyanga inye, ngokuba umphefumulo wami wadinwa yibo, nganengwa ngumphefumulo wabo.

[9] Então, disse eu: não vos apascentarei; o que quer morrer, morra, o que quer ser destruído, seja, e os que restarem, coma cada um a carne do seu próximo.

[9]Ngase ngithi: Angisayikunalusa; efayo mayife, eyakuchithwa mayichithwe, neziseleyo mazidle, kube yileyo naleyo inyama yenye.

[10] Tomei a vara chamada Graça e a quebrei, para anular a minha aliança, que eu fizera com todos os povos.

[10] Ngase ngithatha induku yami uMusa, ngayinqamula, ukuze ngaphule isivumelwano sami engangisenzile nabantu bonke.

[11] Foi, pois, anulada naquele dia; e as pobres do rebanho, que fizeram caso de mim, reconheceram que isto era palavra do SENHOR.

[11]Saphulwa ngalona lolo suku, bese zazi izimvu ezihluphekayo ezangilalela ukuthi kwakuyizwi likaJehova.

[12] Eu lhes disse: se vos parece bem, dai-me o meu salário; e, se não, deixai-o. Pesaram, pois, por meu salário trinta moedas de prata.

[12] Ngase ngithi kuzo: Uma kukuhle emehlweni enu, ngipheni inkokhelo yami, kepha uma kungenjalo, yekani. Zase zilinganisela inkokhelo yami izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva.

[13] Então, o SENHOR me disse: Arroja isso ao oleiro, esse magnífico preço em que fui avaliado por eles. Tomei as trinta moedas

[13] Wathi kimi uJehova: Ziphonse kumbumbi, inani elikhulu engilinganisiwe nalo yibo. Ngazamukela izinhlamvu

de prata e as arrojei ao oleiro, na Casa do SENHOR.

[14] Então, quebrei a segunda vara, chamada União, para romper a irmandade entre Judá e Israel.

A parábola do pastor insensato

[15] O SENHOR me disse: Toma ainda os petrechos de um pastor insensato,

[16] porque eis que suscitarei um pastor na terra, o qual não cuidará das que estão perecendo, não buscará a desgarrada, não curará a que foi ferida, nem apascentará a sã; mas comerá a carne das gordas e lhes arrancará até as unhas.

[17] Ai do pastor inútil, que abandona o rebanho! A espada lhe cairá sobre o braço e sobre o olho direito; o braço, completamente, se lhe secará, e o olho direito, de todo, se escurecerá.

Zacarias 12

A salvação de Jerusalém

[1] Sentença pronunciada pelo SENHOR contra Israel. Fala o SENHOR, o que estendeu o céu, fundou a terra e formou o espírito do homem dentro dele.

[2] Eis que eu farei de Jerusalém um cálice de tontear para todos os povos em redor e também para Judá, durante o sítio contra Jerusalém.

[3] Naquele dia, farei de Jerusalém uma pedra pesada para todos os povos; todos os que a erguerem se ferirão gravemente; e, contra ela, se ajuntarão todas as nações da terra.

ezingamashumi amathathu zesiliva, ngaziphonsa kumbumbi endlini kaJehova.

[14]Ngase ngiyinqamula intonga yami yesibili, uZibopho, ukuba ngaphule ubuzalwane phakathi kukaJuda no-Israyeli.

[15]UJehova wayesethi kimi: Zithathele izikhali zomalusi oyisiwula.

[16]Ngokuba bheka, ngiyakuvusa umalusi ezweni ongayikuhambela ezilahlekileyo, angafuni ezihlakazekileyo, angazelaphi ezaphukileyo, angaboneleli eziphilayo, kepha adle inyama yezikhulupheleyo, adwebule izinselo zazo.

[17] Maye kumalusi oyisiwula oshiya izimvu! Inkemba iyakuba sengalweni yakhe nasesweni lakhe lokunene; ingalo yakhe iyakubuna nokubuna, neso lakhe lokunene liyakufiphala nokufiphala.

UZakariya 12

Ukusindiswa kweJerusalema

[1] Isiprofetho. Izwi likaJehova ngo-Israyeli. UJehova oweneka amazulu, wabeka isisekelo somhlaba, wabumba umoya womuntu phakathi kwakhe, uthi:

[2] Bheka, ngiyakwenza iJerusalema libe yindebe yokutengezela kubo bonke abantu nxazonke nakulo iJuda ekuvinjezelweni kweJerusalema.

[3]Kuyakuthi ngalolo suku ngenze iJerusalema libe yitshe elisindayo kuzo zonke izizwe; zonke ezizithwesa lona ziyakusikwa nokusikwa; zonke izizwe zomhlaba ziyakulihlanganyela.

[4] Naquele dia, diz o SENHOR, ferirei de espanto a todos os cavalos e de loucura os que os montam; sobre a casa de Judá abrirei os olhos e ferirei de cegueira a todos os cavalos dos povos.

[4]Ngalolo suku, usho uJehova, ngiyakushaya onke amahhashi ngokugcwaneka nezinkweli zawo ngobuhlanya; ngiyakuvula amehlo ami phezu kwendlu yakwaJuda, ngishaye onke amahhashi abezizwe ngobumpumputhe.

[5] Então, os chefes de Judá pensarão assim: Os habitantes de Jerusalém têm a força do SENHOR dos Exércitos, seu Deus.

[5]Ababusi bakwaJuda bayakusho ezinhliziyweni zabo ukuthi: Abakhileyo eJerusalema bangamandla ami kuJehova Sebawoti, uNkulunkulu wabo.

[6] Naquele dia, porei os chefes de Judá como um braseiro ardente debaixo da lenha e como uma tocha entre a palha; eles devorarão, à direita e à esquerda, a todos os povos em redor, e Jerusalém será habitada outra vez no seu próprio lugar, em Jerusalém mesma.

[6] Ngalolo suku ngiyakwenza ababusi bakwaJuda babe ngumcengezi womlilo phakathi kwemithi nobhaqa lomlilo phakathi kwezithungu; bayakuqeda bonke abantu nxazonke ngakwesokunene nangakwesokhohlo, iJerusalema libe lisahlala endaweni yalo eJerusalema.

[7] O SENHOR salvará primeiramente as tendas de Judá, para que a glória da casa de Davi e a glória dos habitantes de Jerusalém não sejam exaltadas acima de Judá.

[7] UJehova uyakusindisa amatende akwaJuda kuqala, ukuze udumo lwendlu yakwaDavide nodumo lwabakhileyo eJerusalema lungakhuliswa phezu kukaJuda.

[8] Naquele dia, o SENHOR protegerá os habitantes de Jerusalém; e o mais fraco dentre eles, naquele dia, será como Davi, e a casa de Davi será como Deus, como o Anjo do SENHOR diante deles.

[8] Ngalolo suku uJehova uyakulondoloza abakhileyo eJerusalema; okhubekayo phakathi kwabo ngalolo suku uyakuba njengoDavide, indlu kaDavide ibe njengoNkulunkulu, njengengelosi kaJehova ngaphambi kwabo.

[9] Naquele dia, procurarei destruir todas as nações que vierem contra Jerusalém.

[9]Kuyakuthi ngalolo suku ngifune ukuchitha bonke abezizwe abahlasela iJerusalema.

O arrependimento dos habitantes de Jerusalém

[10] E sobre a casa de Davi e sobre os habitantes de Jerusalém derramarei o espírito da graça e de súplicas; olharão

[10] Ngiyakuthululela phezu kwendlu kaDavide naphezu kwabakhileyo eJerusalema umoya womusa

para aquele a quem traspassaram; pranteá-lo-ão como quem pranteia por um unigênito e chorarão por ele como se chora amargamente pelo primogênito.

nowokunxusa, bambheke abamgwazileyo, bamlilele njengokulilela ozelwe yedwa, babe nomunyu ngaye njengonomunyu ngezibulo lakhe.

11 Naquele dia, será grande o pranto em Jerusalém, como o pranto de Hadade-Rimom, no vale de Megido.

11 Ngalolo suku kuyakuba khona ukulila okukhulu eJerusalema njengokulila kweHadadi Rimoni esigodini saseMegidoni.

12 A terra pranteará, cada família à parte; a família da casa de Davi à parte, e suas mulheres à parte; a família da casa de Natã à parte, e suas mulheres à parte;

12Izwe liyakulila imindeni ngemindeni ngokwayo: umndeni wendlu yakwaDavide ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo; umndeni wendlu yakwaNathani ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo;

13 a família da casa de Levi à parte, e suas mulheres à parte; a família dos simeítas à parte, e suas mulheres à parte.

13umndeni wendlu yakwaLevi ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo; umndeni kaShimeyi ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo,

14 Todas as mais famílias, cada família à parte, e suas mulheres à parte.

14nayo yonke imindeni eseleyo, imindeni ngemindeni ngokwayo nabesifazane bayo ngokwabo.

Zacarias 13

Eliminados os ídolos e os falsos profetas

1 Naquele dia, haverá uma fonte aberta para a casa de Davi e para os habitantes de Jerusalém, para remover o pecado e a impureza.

2 Acontecerá, naquele dia, diz o SENHOR dos Exércitos, que eliminarei da terra os nomes dos ídolos, e deles não haverá mais memória; e também removerei da terra os profetas e o espírito imundo.

3 Quando alguém ainda profetizar, seu pai e sua mãe, que o geraram, lhe dirão: Não viverás, porque tens falado mentiras em

UZakariya 13

Ukuhlanjululwa kweJerusalema

1 Ngalolo suku kuyakuba khona umthombo ovulelwa izono nokungcola kwendlu kaDavide nabakhileyo eJerusalema.

2 Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti, nginqume amagama ezithombe ezweni, zingabe zisakhunjulwa, ngidlulise abaprofethi nawomoya abangcolileyo ezweni.

3 Kuyakuthi uma kusaprofetha umuntu, uyise nonina abamzalayo basho kuye ukuthi: Awuyikuphila, ngokuba ukhuluma

nome do SENHOR; seu pai e sua mãe, que o geraram, o traspassarão quando profetizar.

[4] Naquele dia, se sentirão envergonhados os profetas, cada um da sua visão quando profetiza; nem mais se vestirão de manto de pêlos, para enganarem.

[5] Cada um, porém, dirá: Não sou profeta, sou lavrador da terra, porque fui comprado desde a minha mocidade.

[6] Se alguém lhe disser: Que feridas são essas nas tuas mãos?, responderá ele: São as feridas com que fui ferido na casa dos meus amigos.

Ferido o pastor de Deus

[7] Desperta, ó espada, contra o meu pastor e contra o homem que é o meu companheiro, diz o SENHOR dos Exércitos; fere o pastor, e as ovelhas ficarão dispersas; mas volverei a mão para os pequeninos.

[8] Em toda a terra, diz o SENHOR, dois terços dela serão eliminados e perecerão; mas a terceira parte restará nela.

[9] Farei passar a terceira parte pelo fogo, e a purificarei como se purifica a prata, e a provarei como se prova o ouro; ela invocará o meu nome, e eu a ouvirei; direi: é meu povo, e ela dirá: O SENHOR é meu Deus.

Zacarias 14

O juízo sobre Jerusalém e seus opressores

amanga egameni likaJehova, uyise nonina abamzalayo bamgwaze esaprofetha.

[4] Kuyakuthi ngalolo suku abaprofethi babe namahloni, kube yilowo nalowo ngombono wakhe ekuprofetheni kwakhe, bangembathi ingubo yoboya ukuyokhohlisa;

[5] kepha uyakuthi: Angisiye umprofethi, ngingumlimi womhlabathi, ngokuba umuntu wangithenga ebusheni bami.

[6]Uma sekuthiwa kuye: Iyini leyo mivimbo esezandleni zakho na? uyakuthi: Engashaywa ngayo endlini yabathandiweyo bami.

Umalusi wamanga

[7] Vuka, nkemba, uvukele umalusi wami, uvukele umuntu ongumngane wami, usho uJehova Sebawoti. Shaya umalusi, zize zihlakazeke izimvu, bese ngiphendulela abancane isandla sami.

[8]Kuyakuthi ezweni lonke, usho uJehova, kunqunywe izinxenye ezimbili kulo, zibhubhe, kusale eyesithathu kulo.

[9] Ngiyakungenisa inxenye yesithathu emlilweni, ngibacwengisise njengokucwengisiswa kwesiliva, ngibavivinye njengokuvivinywa kwegolide; bayakubiza igama lami, ngibaphendule, ngithi: Bangabantu bami; base bethi: UJehova unguNkulunkulu wami.

UZakariya 14

Usuku lukaJehova

[1] Eis que vem o Dia do SENHOR, em que os teus despojos se repartirão no meio de ti.

[2] Porque eu ajuntarei todas as nações para a peleja contra Jerusalém; e a cidade será tomada, e as casas serão saqueadas, e as mulheres, forçadas; metade da cidade sairá para o cativeiro, mas o restante do povo não será expulso da cidade.

[3] Então, sairá o SENHOR e pelejará contra essas nações, como pelejou no dia da batalha.

[4] Naquele dia, estarão os seus pés sobre o monte das Oliveiras, que está defronte de Jerusalém para o oriente; o monte das Oliveiras será fendido pelo meio, para o oriente e para o ocidente, e haverá um vale muito grande; metade do monte se apartará para o norte, e a outra metade, para o sul.

[5] Fugireis pelo vale dos meus montes, porque o vale dos montes chegará até Azal; sim, fugireis como fugistes do terremoto nos dias de Uzias, rei de Judá; então, virá o SENHOR, meu Deus, e todos os santos, com ele.

[6] Acontecerá, naquele dia, que não haverá luz, mas frio e gelo.

[7] Mas será um dia singular conhecido do SENHOR; não será nem dia nem noite, mas haverá luz à tarde.

[1]Bheka, luyeza usuku lukaJehova, lapho impango yakho iyakwahlukaniswa phakathi kwakho.

[2] Ngiyakubuthela iJerusalema bonke abezizwe ukuba balwe nalo; umuzi uyakuthathwa, izindlu ziphangwe, kuphoqwe abesifazane; inxenye yomuzi iyakumuka, iye ekuthunjweni, kepha abantu abaseleyo abayikunqunywa emzini.

[3] UJehova uyakuphuma, alwe nalabo bezizwe njengasosukwini lwempi yakhe ngosuku lokulwa.

[4]Izinyawo zakhe ziyakuma ngalolo suku eNtabeni Yeminqumo ephambi kweJerusalema ngasempumalanga, iNtaba Yeminqumo iqhekezeke phakathi ngasempumalanga nangasentshonalanga, kube yisigodi esikhulu kakhulu; inxenye yentaba iyakuqhekezekela ngasenyakatho nenxenye ngaseningizimu.

[5] Niyakubalekela esigodini sezintaba zami, ngokuba isigodi sezintaba siyakufinyelela e-Aseli, yebo, niyakubaleka njengalokho nabalekela ukuzamazama komhlaba ngezinsuku zika-Uziya inkosi yakwaJuda; lapho kuzakufika uJehova uNkulunkulu wami nabo bonke abangcwele kanye nawe.

[6]Kuyakuthi ngalolo suku kungabikho ukukhanya, amakhaza nesithwathwa kuphela.

[7] Kuyakuba lusuku ngokwalo olwaziwa nguJehova, kungabi yimini, kungabi

ngubusuku, kepha kube ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa.

[8] Naquele dia, também sucederá que correrão de Jerusalém águas vivas, metade delas para o mar oriental, e a outra metade, até ao mar ocidental; no verão e no inverno, sucederá isto.

[8] Kuyakuthi ngalolo suku kuphume amanzi aphilayo eJerusalema, inxenye yawo ngaselwandle lwasempumalanga, inxenye yawo ngaselwandle lwasentshonalanga, kube sehlobo nasebusika.

[9] O SENHOR será Rei sobre toda a terra; naquele dia, um só será o SENHOR, e um só será o seu nome.

[9] UJehova uyakuba yiNkosi emhlabeni wonke; ngalolo suku uJehova uyakuba munye, negama lakhe libe linye.

[10] Toda a terra se tornará como a planície de Geba a Rimom, ao sul de Jerusalém; esta será exaltada e habitada no seu lugar, desde a Porta de Benjamim até ao lugar da primeira porta, até à Porta da Esquina e desde a Torre de Hananel até aos lagares do rei.

[10] Lonke izwe liyakuphenduka ithafa kusukela eGeba kuze kube seRimoni ngaseningizimu kwaseJerusalema; liyakuphakanyiswa, lihlale endaweni yalo, kusukela eSangweni likaBenjamini kuze kube sendaweni yesango lakuqala, kuze kube seSangweni Lasegumbini, kusukela eMbhoshongweni kaHananeli kuze kube sesikhamweni sewayini senkosi.

[11] Habitarão nela, e já não haverá maldição, e Jerusalém habitará segura.

[11] Kuyakuhlalwa kulo, kungabe kusabakho siqalekiso, kepha iJerusalema liyakuhlala ngokulondeka.

[12] Esta será a praga com que o SENHOR ferirá a todos os povos que guerrearem contra Jerusalém: a sua carne se apodrecerá, estando eles de pé, apodrecer-se-lhes-ão os olhos nas suas órbitas, e lhes apodrecerá a língua na boca.

[12]Yikho okuyakuba ngukushaya uJehova ayakushaya ngakho bonke abantu abalwe neJerusalema: inyama yabo iyakudleka besemi ngezinyawo zabo, namehlo abo ayakuphelela ezikhoxeni zawo, ulimi lwabo ludleke emlonyeni wabo.

[13] Naquele dia, também haverá da parte do SENHOR grande confusão entre eles; cada um agarrará a mão do seu próximo, cada um levantará a mão contra o seu próximo.

[13]Kuyakuthi ngalolo suku kube phakathi kwabo isidumo esikhulu esivela kuJehova, babambe, kube yilowo nalowo isandla somakhelwane wakhe, isandla

sakhe sivukele isandla somakhelwane wakhe.

[14] Também Judá pelejará em Jerusalém; e se ajuntarão as riquezas de todas as nações circunvizinhas, ouro, prata e vestes em grande abundância.

[14]NoJuda uyakulwa eJerusalema, kubuthwe ingcebo yazo zonke izizwe ezizungezileyo, igolide, nesiliva, nezambatho, kube kuningi kakhulu.

[15] Como esta praga, assim será a praga dos cavalos, dos mulos, dos camelos, dos jumentos e de todos os animais que estiverem naqueles arraiais.

[15]Kuyakuba njalo ukushaywa kwamahhashi, neminyuzi, namakamela nezimbongolo, nazo zonke izilwane, okuyakuba khona kulawo makamu, njengalokho kushaywa.

A glória futura da cidade de Deus

[16] Todos os que restarem de todas as nações que vieram contra Jerusalém subirão de ano em ano para adorar o Rei, o SENHOR dos Exércitos, e para celebrar a Festa dos Tabernáculos.

[16] Kuyakuthi bonke abaseleyo ezizweni zonke ezazilifikela iJerusalema bakhuphuke iminyaka ngeminyaka ukukhuleka eNkosini uJehova Sebawoti nokugubha umkhosi wamadokodo.

[17] Se alguma das famílias da terra não subir a Jerusalém, para adorar o Rei, o SENHOR dos Exércitos, não virá sobre ela a chuva.

[17] Kuyakuthi abangakhuphuki emindenini yomhlaba, baye eJerusalema ukukhuleka eNkosini uJehova Sebawoti, phezu kwabo kungabi yimvula.

[18] Se a família dos egípcios não subir, nem vier, não cairá sobre eles a chuva; virá a praga com que o SENHOR ferirá as nações que não subirem a celebrar a Festa dos Tabernáculos.

[18]Uma umndeni waseGibithe ungakhuphuki uze ufike, ayiyikuba naphezu kwawo; kepha kuyakuba khona ukushaywa uJehova ayakushaya ngakho izizwe ezingakhuphuki ukugubha umkhosi wamadokodo.

[19] Este será o castigo dos egípcios e o castigo de todas as nações que não subirem a celebrar a Festa dos Tabernáculos.

[19]Lokhu kuyakuba yisijeziso seGibithe nesijeziso sazo zonke izizwe ezingakhuphuki ukugubha umkhosi wamadokodo.

[20] Naquele dia, será gravado nas campainhas dos cavalos: Santo ao SENHOR; e as panelas da Casa do SENHOR serão como as bacias diante do altar;

[20] Ngalolo suku kuyakulotshwa ezikhencezweni zamahhashi ukuthi: Zahlukaniselwe uJehova, amakhanzi asendlini kaJehova abe njengemikhele phambi kwe-altare.

[21] sim, todas as panelas em Jerusalém e Judá serão santas ao SENHOR dos Exércitos; todos os que oferecerem sacrifícios virão, lançarão mão delas e nelas cozerão a carne do sacrifício. Naquele dia, já não haverá mercador na Casa do SENHOR dos Exércitos.

[21] Onke amakhanzi eJerusalema nakwaJuda ayakwahlukaniselwa uJehova Sebawoti; bonke abahlabayo bayakufika, bathathe kuwo, bapheke kuwo, kungabe kusabakho mthengisi ngalolo suku endlini kaJehova Sebawoti.

Malaquias

Malaquias 1

O amor do Senhor por Jacó

[1] Sentença pronunciada pelo SENHOR contra Israel, por intermédio de Malaquias.

[2] Eu vos tenho amado, diz o SENHOR; mas vós dizeis: Em que nos tens amado? Não foi Esaú irmão de Jacó? – disse o SENHOR; todavia, amei a Jacó,

[3] porém aborreci a Esaú; e fiz dos seus montes uma assolação e dei a sua herança aos chacais do deserto.

[4] Se Edom diz: Fomos destruídos, porém tornaremos a edificar as ruínas, então, diz o SENHOR dos Exércitos: Eles edificarão, mas eu destruirei; e Edom será chamado Terra-De-Perversidade e Povo-Contra-Quem-O-SENHOR-Está-Irado-Para-Sempre.

[5] Os vossos olhos o verão, e vós direis: Grande é o SENHOR também fora dos limites de Israel.

O Senhor reprova os sacerdotes

[6] O filho honra o pai, e o servo, ao seu senhor. Se eu sou pai, onde está a minha honra? E, se eu sou senhor, onde está o respeito para comigo? – diz o SENHOR dos Exércitos a vós outros, ó sacerdotes que desprezais o meu nome. Vós dizeis: Em que desprezamos nós o teu nome?

[7] Ofereceis sobre o meu altar pão imundo e ainda perguntais: Em que te havemos profanado? Nisto, que pensais: A mesa do SENHOR é desprezível.

UMalaki

UMalaki 1

Uthando lukaJehova ku-Israyeli

[1]Isiprofetho. Izwi likaJehova ku-Israyeli ngesandla sikaMalaki.

[2] Nginithandile, usho uJehova. Nokho nithi: Usithande kanjani na? U-Esawu akasiye umfowabo kaJakobe na? usho uJehova. Ngamthanda uJakobe,

[3] kepha u-Esawu ngamzonda, ngenza izintaba zakhe incithakalo, nefa lakhe ngalinika amakhanka asehlane.

[4]Uma u-Edomi ethi: Sichithiwe, kepha siyakubuye sakhe izincithakalo, usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bayakwakha bona, kepha mina ngiyakudiliza, babizwe ngokuthi uMkhawulo Wobubi, nabantu uJehova abathukuthelelayo kuze kube phakade.

[5]Amehlo enu ayakukubona, bese nithi: UJehova uyakuba mkhulu, kudlule nasemkhawulweni ka-Israyeli.

UJehova uyadelelwa

[6] Indodana idumisa uyise, nenceku inkosi yayo; uma nginguyise, kuphi ukudunyiswa kwami? Uma ngiyinkosi, kuphi ukwesatshwa kwami? usho uJehova Sebawoti, kinina bapristi enilidelela igama lami. Nokho nithi: Silidelele kanjani igama lakho na?

[7] Ngokunikela ngesinkwa esingcolileyo e-altare lami. Bese nithi: Sikungcolise ngani na? Ngokusho kwenu ukuthi: Itafula likaJehova lidelelekile.

[8] Quando trazeis animal cego para o sacrificardes, não é isso mal? E, quando trazeis o coxo ou o enfermo, não é isso mal? Ora, apresenta-o ao teu governador; acaso, terá ele agrado em ti e te será favorável? – diz o SENHOR dos Exércitos.

[9] Agora, pois, suplicai o favor de Deus, que nos conceda a sua graça; mas, com tais ofertas nas vossas mãos, aceitará ele a vossa pessoa? – diz o SENHOR dos Exércitos.

[10] Tomara houvesse entre vós quem feche as portas, para que não acendêsseis, debalde, o fogo do meu altar. Eu não tenho prazer em vós, diz o SENHOR dos Exércitos, nem aceitarei da vossa mão a oferta.

[11] Mas, desde o nascente do sol até ao poente, é grande entre as nações o meu nome; e em todo lugar lhe é queimado incenso e trazidas ofertas puras, porque o meu nome é grande entre as nações, diz o SENHOR dos Exércitos.

[12] Mas vós o profanais, quando dizeis: A mesa do SENHOR é imunda, e o que nela se oferece, isto é, a sua comida, é desprezível.

[13] E dizeis ainda: Que canseira! E me desprezais, diz o SENHOR dos Exércitos; vós ofereceis o dilacerado, e o coxo, e o enfermo; assim fazeis a oferta. Aceitaria eu isso da vossa mão? – diz o SENHOR.

[8] Lapho ninikela ngesilwane esiyimpumputhe sibe ngumhlatshelo, akukubi na? Lapho ninikela ngesilwane esiqhugayo nesigulayo, akukubi na? Mawusisondeze kumbusi wakho; uyakuba nomusa kuwe na? Uyakukwamukela na? usho uJehova Sebawoti.

[9] Manje ake ninxuse kuNkulunkulu ukuba abe nomusa kithi; njengokuba ninokunjalo ezandleni zenu, uyakunamukela na? usho uJehova Sebawoti.

[10] Sengathi kungaba khona phakathi kwenu ongavala izicabha, ukuze ningabaseli ize e-altare lami! Angithokozi ngani, usho uJehova Sebawoti, angiyikwamukela iminikelo ezandleni zenu.

[24] Baholi abayizimpumputhe, nihluza insensane, niginge ikamela.

[25] Maye kinina babhali nabaFarisi, bazensizi, ngokuba nihlambulula ingaphandle lenkezo nesitsha, kepha ngaphakathi kugcwele impango nokuhuheka!

[26]Mfarisi oyimpumputhe, hlanza kuqala ingaphakathi lenkezo, ukuze kuhlanzeke nengaphandle layo.

[27] Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nifana namaliba acakiweyo abonakala emahle ngaphandle,

mas interiormente estão cheios de ossos de mortos e de toda imundícia!

kanti ngaphakathi agcwele amathambo abafileyo nokungcola konke!

[28] Assim também vós exteriormente pareceis justos aos homens, mas, por dentro, estais cheios de hipocrisia e de iniqüidade.

[28]Kanjalo nani ngaphandle nibonakala kubantu nilungile, kanti ngaphakathi nigcwele ukuzenzisa nobubi.

[29] Ai de vós, escribas e fariseus, hipócritas, porque edificais os sepulcros dos profetas, adornais os túmulos dos justos

[29] Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nakha amaliba abaprofethi, nihlobisa amathuna abalungileyo!

[30] e dizeis: Se tivéssemos vivido nos dias de nossos pais, não teríamos sido seus cúmplices no sangue dos profetas!

[30]Nithi: Uma sasikhona emihleni yawobaba, sasingayikuhlanganyela nabo egazini lababaprofethi.

[31] Assim, contra vós mesmos, testificais que sois filhos dos que mataram os profetas.

[31]Kanjalo niyazifakazela nina ukuthi ningamadodana ababulala abaprofethi.

[32] Enchei vós, pois, a medida de vossos pais.

[32]Nani gcwalisani isilinganiso sawoyihlo.

[33] Serpentes, raça de víboras! Como escapareis da condenação do inferno?

[33] Zinyoka, nzalo yamabululu, niyakukubalekela kanjani ukulahlwa kwasesihogweni na?

[34] Por isso, eis que eu vos envio profetas, sábios e escribas. A uns matareis e crucificareis; a outros açoitareis nas vossas sinagogas e perseguireis de cidade em cidade;

[34] Ngakho-ke, bhekani, mina ngithuma kini abaprofethi, nabahlakaniphileyo, nababhali; abanye kubo niyakubabulala, nibabethele; abanye niyakubashaya emasinagogeni enu, nibaxoshe imizi ngemizi

[35] para que sobre vós recaia todo o sangue justo derramado sobre a terra, desde o sangue do justo Abel até ao sangue de Zacarias, filho de Baraquias, a quem matastes entre o santuário e o altar.

[35] ukuba kufike phezu kwenu igazi lonke elilungileyo elachithwa emhlabeni, kusukela egazini lika-Abela olungileyo kuze kube segazini likaZakariya indodana kaBarakiya enambulala phakathi kwethempeli ne-altare.

[36] Em verdade vos digo que todas estas coisas hão de vir sobre a presente geração.

[36]Ngiqinisile ngithi kini: Konke lokhu kuyakufika phezu kwalesi sizukulwane.

O lamento sobre Jerusalém
Lucas 13.34-35

[37] Jerusalém, Jerusalém, que matas os profetas e apedrejas os que te foram enviados! Quantas vezes quis eu reunir os teus filhos, como a galinha ajunta os seus pintinhos debaixo das asas, e vós não o quisestes!

[38] Eis que a vossa casa vos ficará deserta.

[39] Declaro-vos, pois, que, desde agora, já não me vereis, até que venhais a dizer: Bendito o que vem em nome do SENHOR!

[37] Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga.

[38] Bhekani, indlu yenu isisala nani.

[39] Ngokuba ngithi kini: Anisayikungibona nize nithi: Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi.

Mateus 24

O sermão profético

A destruição do templo
Marcos 13.1-2; Lucas 21.5-6

[1] Tendo Jesus saído do templo, ia-se retirando, quando se aproximaram dele os seus discípulos para lhe mostrar as construções do templo.

[2] Ele, porém, lhes disse: Não vedes tudo isto? Em verdade vos digo que não ficará aqui pedra sobre pedra que não seja derribada.

O princípio das dores
Marcos 13.3-13; Lucas 21.7-19

[3] No monte das Oliveiras, achava-se Jesus assentado, quando se aproximaram dele os discípulos, em particular, e lhe pediram: Dize-nos quando sucederão estas coisas e que sinal haverá da tua vinda e da consumação do século.

[4] E ele lhes respondeu: Vede que ninguém vos engane.

NgokukaMathewu 24

Ukuchithwa kweJerusalema nokufika kweNdodana yomuntu

(Mark. 13:1; Luk. 21:5; 12:37)

[1] Kuthe uJesu ephuma ethempelini, emuka, kwasondela abafundi bakhe ukumtshengisa izakhiwo zethempeli.

[2] Waphendula, wathi kubo: Anikuboni konke lokhu na? Ngiqinisile ngithi kini: Akuyikushiywa lapha itshe phezu kwetshe elingayikudilizelwa phansi.

[3] Esahlezi eNtabeni Yeminqumo, abafundi beza kuye bebodwa, bathi: Sitshele ukuthi lokhu kuyakuba nini, nesibonakaliso sokuza kwakho nesokuphela kwezwe siyakuba yini na?

[4] UJesu waphendula, wathi kubo: Qaphelani ningadukiswa muntu.

[5] Porque virão muitos em meu nome, dizendo: Eu sou o Cristo, e enganarão a muitos.

[5] Ngokuba kuyakuza abaningi ngegama lami, bathi: Mina nginguKristu, badukise abaningi.

[6] E, certamente, ouvireis falar de guerras e rumores de guerras; vede, não vos assusteis, porque é necessário assim acontecer, mas ainda não é o fim.

[6]Niyakuzwa izimpi namahemuhemu ezimpi. Bhekani ningethuki, ngokuba kumelwe ukuba kwenzeke, kepha ukuphela koba kungakafiki.

[7] Porquanto se levantará nação contra nação, reino contra reino, e haverá fomes e terremotos em vários lugares;

[7]Ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso, kube khona indlala nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo.

[8] porém tudo isto é o princípio das dores.

[8]Kepha konke lokho kungukuqala kwemihelo.

[9] Então, sereis atribulados, e vos matarão. Sereis odiados de todas as nações, por causa do meu nome.

[9] Lapho-ke bayakunikhaphela osizini, banibulale; niyakuzondwa yizizwe zonke ngenxa yegama lami.

[10] Nesse tempo, muitos hão de se escandalizar, trair e odiar uns aos outros;

[10]Khona-ke abaningi bayakukhubeka, bakhaphelane, bazondane.

[11] levantar-se-ão muitos falsos profetas e enganarão a muitos.

[11]Kuyakuvela abaprofethi bamanga abaningi, badukise abaningi.

[12] E, por se multiplicar a iniqüidade, o amor se esfriará de quase todos.

[12]Ngenxa yokwanda kokubi kuzakuphola uthando lwabaningi.

[13] Aquele, porém, que perseverar até o fim, esse será salvo.

[13] Kodwa okhuthazelayo kuze kube sekupheleni nguyena oyakusindiswa.

[14] E será pregado este evangelho do reino por todo o mundo, para testemunho a todas as nações. Então, virá o fim.

[14] Leli vangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela.

A grande tribulação

Marcos 13.14-23; Lucas 21.20-23

[15] Quando, pois, virdes o abominável da desolação de que falou o profeta Daniel, no lugar santo (quem lê entenda),

[15] Ngakho-ke nxa nibona amanyala encithakalo ashiwo nguDaniyeli umprofethi emi endaweni engcwele -- ofundayo makaqaphele --

[16] então, os que estiverem na Judéia fujam para os montes;

[16]khona abaseJudiya mababalekele ezintabeni,

[17] quem estiver sobre o eirado não desça a tirar de casa alguma coisa;

[18] e quem estiver no campo não volte atrás para buscar a sua capa.

[19] Ai das que estiverem grávidas e das que amamentarem naqueles dias!

[20] Orai para que a vossa fuga não se dê no inverno, nem no sábado;

[21] porque nesse tempo haverá grande tribulação, como desde o princípio do mundo até agora não tem havido e nem haverá jamais.

[22] Não tivessem aqueles dias sido abreviados, ninguém seria salvo; mas, por causa dos escolhidos, tais dias serão abreviados.

[23] Então, se alguém vos disser: Eis aqui o Cristo! Ou: Ei-lo ali! Não acrediteis;

[24] porque surgirão falsos cristos e falsos profetas operando grandes sinais e prodígios para enganar, se possível, os próprios eleitos.

[25] Vede que vo-lo tenho predito.

[26] Portanto, se vos disserem: Eis que ele está no deserto!, não saiais. Ou: Ei-lo no interior da casa!, não acrediteis.

[27] Porque, assim como o relâmpago sai do oriente e se mostra até no ocidente, assim há de ser a vinda do Filho do Homem.

[28] Onde estiver o cadáver, aí se ajuntarão os abutres.

A vinda do Filho do Homem

Marcos 13.24-27; Lucas 21.25-28

[17] ophezu kwendlu angehli ukuyothatha okusendlini yakhe,

[18]osensimini angabuyeli emuva ukuyothatha ingubo yakhe.

[19]Kepha maye kwabakhulelweyo nabancelisayo ngalezo zinsuku!

[20]Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika nangesabatha.

[21] Ngokuba lapho kuyakuba khona usizi olukhulu olungazange lube khona kwasekuqaleni kwezwe kuze kube manje nolungasayikuba khona.

[22]Uma lezo zinsuku zingafinyezwanga, bekungesindiswe muntu; kepha ngenxa yabakhethiweyo lezo zinsuku ziyakufinyezwa.

[23] Khona uma umuntu ethi kini: Bhekani, nangu uKristu, noma: Nanguya, ningakholwa.

[24] Ngokuba kuyakuvela okristu bamanga nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso, ukuze kudukiswe nabakhethiweyo, uma kungenzeka.

[25]Bhekani, senginitshelile ngaphambili.

[26] Ngakho-ke uma bethi kini: Bhekani, usehlane, ningaphumi; noma bethi: Bhekani, usendlini, ningakholwa;

[27]ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube sentshonalanga, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.

[28] Nomaphi lapho kukhona isidumbu, kulapho amanqe eyakubuthana khona.

29 Logo em seguida à tribulação daqueles dias, o sol escurecerá, a lua não dará a sua claridade, as estrelas cairão do firmamento, e os poderes dos céus serão abalados.

30 Então, aparecerá no céu o sinal do Filho do Homem; todos os povos da terra se lamentarão e verão o Filho do Homem vindo sobre as nuvens do céu, com poder e muita glória.

31 E ele enviará os seus anjos, com grande clangor de trombeta, os quais reunirão os seus escolhidos, dos quatro ventos, de uma a outra extremidade dos céus.

A parábola da figueira. Exortação à vigilância

Marcos 13.28-37; Lucas 21.29-36

32 Aprendei, pois, a parábola da figueira: quando já os seus ramos se renovam e as folhas brotam, sabeis que está próximo o verão.

33 Assim também vós: quando virdes todas estas coisas, sabei que está próximo, às portas.

34 Em verdade vos digo que não passará esta geração sem que tudo isto aconteça.

35 Passará o céu e a terra, porém as minhas palavras não passarão.

36 Mas a respeito daquele dia e hora ninguém sabe, nem os anjos dos céus, nem o Filho, senão o Pai.

37 Pois assim como foi nos dias de Noé, também será a vinda do Filho do Homem.

38 Porquanto, assim como nos dias anteriores ao dilúvio comiam e bebiam,

29 Kepha masinyane emva kosizi lwalezo zinsuku ilanga liyakufiphazwa, nenyanga ayiyikukhanya, nezinkanyezi ziyakuwa ezulwini, namandla ezulu ayakuzanyazanyiswa.

30 Khona kuyakubonakala ezulwini isibonakaliso seNdodana yomuntu, bese zikhala izizwe zonke zomhlaba, zibone iNdodana yomuntu iza emafwini ezulu, inamandla nenkazimulo enkulu.

31 Iyakuthuma izingelosi zayo ngokukhala okukhulu kwecilongo, ziqoqe abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni omunye wezulu kuze kube komunye.

32 Fundani umfanekiso emkhiwaneni; nxa igatsha lawo selithamba, lihlume amaqabunga, niyazi ukuthi ihlobo seliseduze.

33 Kanjalo nani, nxa nibona konke lokhu, yazini ukuthi iseduze ngasemnyango.

34 Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikudlula kungakenzeki konke lokhu.

35 Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.

36 Kepha lolo suku nalelo hora akakho owazi lutho ngalo nazingelosi zasezulwini, naNdodana, nguBaba kuphela.

37 Ngokuba njengasemihleni kaNowa, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.

38 Ngokuba njengasezinsukwini lezo ezandulela uzamcolo babedla, bephuza,

casavam e davam-se em casamento, até ao dia em que Noé entrou na arca,

[39] e não o perceberam, senão quando veio o dilúvio e os levou a todos, assim será também a vinda do Filho do Homem.

[40] Então, dois estarão no campo, um será tomado, e deixado o outro;

[41] duas estarão trabalhando num moinho, uma será tomada, e deixada a outra.

[42] Portanto, vigiai, porque não sabeis em que dia vem o vosso SENHOR.

[43] Mas considerai isto: se o pai de família soubesse a que hora viria o ladrão, vigiaria e não deixaria que fosse arrombada a sua casa.

[44] Por isso, ficai também vós apercebidos; porque, à hora em que não cuidais, o Filho do Homem virá.

A parábola do bom servo e do mau

Lucas 12.42-46

[45] Quem é, pois, o servo fiel e prudente, a quem o senhor confiou os seus conservos para dar-lhes o sustento a seu tempo?

[46] Bem-aventurado aquele servo a quem seu senhor, quando vier, achar fazendo assim.

[47] Em verdade vos digo que lhe confiará todos os seus bens.

[48] Mas, se aquele servo, sendo mau, disser consigo mesmo: Meu senhor demora-se,

[49] e passar a espancar os seus companheiros e a comer e beber com ébrios,

beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini,

[39]abazanga kwaze kwafika uzamcolo wabakhukhula bonke, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.

[40]Khona-ke kuyakuba khona ababili ensimini, omunye athathwe, omunye ashiywe;

[41]ababili boba besila etsheni, omunye athathwe, omunye ashiywe.

[42] Ngakho-ke lindani, ngokuba anazi ukuthi iNkosi yenu iyakufika ngaluphi usuku.

[43] Kepha anokwazi lokhu ukuthi, uma umninindlu ebewazi umlindo isela eliyakufika ngawo, ubeyakulinda, angavumi ukuba indlu yakhe ifohlwe.

[44]Ngalokho nani hlalani nilungele, ngokuba iNdodana yomuntu iyakufika ngesikhathi eningasicabangiyo.

[45] Pho, ngubani oyinceku ethembekileyo neqondayo, inkosi yayo eyimisile phezu kwabendlu yayo ukuba ibanike ukudla ngesikhathi sakho na?

[46]Ibusisiwe leyo nceku, okuyakuthi kufika inkosi yayo, iyifumane yenze njalo.

[47] Ngiqinisile ngithi kini: Iyakuyimisa phezu kwakho konke enakho.

[48] Kodwa uma leyo nceku embi ithi enhliziyweni yayo: Inkosi yami ilibele,

[49]iqale ukushaya izinceku ezikanye nayo, idle, iphuze nezidakwa,

[50] virá o senhor daquele servo em dia em que não o espera e em hora que não sabe [51] e castigá-lo-á, lançando-lhe a sorte com os hipócritas; ali haverá choro e ranger de dentes.

Mateus 25

A parábola das dez virgens

[1] Então, o reino dos céus será semelhante a dez virgens que, tomando as suas lâmpadas, saíram a encontrar-se com o noivo.

[2] Cinco dentre elas eram néscias, e cinco, prudentes.

[3] As néscias, ao tomarem as suas lâmpadas, não levaram azeite consigo;

[4] no entanto, as prudentes, além das lâmpadas, levaram azeite nas vasilhas.

[5] E, tardando o noivo, foram todas tomadas de sono e adormeceram.

[6] Mas, à meia-noite, ouviu-se um grito: Eis o noivo! Saí ao seu encontro!

[7] Então, se levantaram todas aquelas virgens e prepararam as suas lâmpadas.

[8] E as néscias disseram às prudentes: Dai-nos do vosso azeite, porque as nossas lâmpadas estão-se apagando.

[9] Mas as prudentes responderam: Não, para que não nos falte a nós e a vós outras! Ide, antes, aos que o vendem e comprai-o.

[10] E, saindo elas para comprar, chegou o noivo, e as que estavam apercebidas

[50]inkosi yaleyo nceku iyakufika ngosuku engayibhekile ngalo nangehora engalaziyo, [51] iyinqamule kabili, iyimisele isabelo sayo kanye nabazenzisi; kuyakuba khona lapho ukukhala nokugedla amazinyo.

NgokukaMathewu 25

Umfanekiso wezintombi eziyishumi

[1] Khona umbuso wezulu uzakufaniswa nezintombi eziyishumi ezathatha izibani zazo, zaphuma ukuyohlangabeza umyeni.

[2]Kepha eziyisihlanu kuzo zaziyiziwula, neziyisihlanu zazihlakaniphile.

[3]Ngokuba eziyiziwula zithatha izibani kaziwaphathanga amafutha.

[4]Kodwa ezihlakaniphileyo zaphatha amafutha ezitsheni kanye nezibani zazo.

[5]Umyeni esalibele, zozela zonke, zalala.

[6] Kepha phakathi kobusuku kwamenyezwa ukuthi: Nangu umyeni; phumani niye kumhlangabeza!

[7] Khona zavuka lezo zintombi zonke, zalungisa izibani zazo.

[8]Eziyiziwula zase zithi kwezihlakaniphileyo: Sipheni amafutha kwawenu, ngokuba izibani zethu ziyacima.

[9] Kepha ezihlakaniphileyo zaphendula zathi: Qha, funa angasaneli thina nani. Okungcono hambani niye kwabathengisayo, nizithengele.

[10] Zisaya kuthenga, wafika umyeni. Ezazilungele zangena naye emshadweni; kwavalwa emnyango.

entraram com ele para as bodas; e fechou-se a porta.

[11] Mais tarde, chegaram as virgens néscias, clamando: SENHOR, senhor, abre-nos a porta!

[12] Mas ele respondeu: Em verdade vos digo que não vos conheço.

[13] Vigiai, pois, porque não sabeis o dia nem a hora.

A parábola dos talentos

[14] Pois será como um homem que, ausentando-se do país, chamou os seus servos e lhes confiou os seus bens.

[15] A um deu cinco talentos, a outro, dois e a outro, um, a cada um segundo a sua própria capacidade; e, então, partiu.

[16] O que recebera cinco talentos saiu imediatamente a negociar com eles e ganhou outros cinco.

[17] Do mesmo modo, o que recebera dois ganhou outros dois.

[18] Mas o que recebera um, saindo, abriu uma cova e escondeu o dinheiro do seu senhor.

[19] Depois de muito tempo, voltou o senhor daqueles servos e ajustou contas com eles.

[20] Então, aproximando-se o que recebera cinco talentos, entregou outros cinco, dizendo: SENHOR, confiaste-me cinco talentos; eis aqui outros cinco talentos que ganhei.

[21] Disse-lhe o senhor: Muito bem, servo bom e fiel; foste fiel no pouco, sobre o

[11] Ngasemuva zafika nezinye izintombi, zathi: Nkosi, nkosi, sivulele.

[12] Kepha waphendula wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Anginazi.

[13] Ngakho lindani, ngokuba anilwazi usuku nehora.

Umninimuzi namatalenta*

[14] Ngokuba kunjengomuntu owathi eyakuhambela kwelinye izwe wabiza izinceku zakhe, wazinika impahla yakhe;

[15] enye wayinika amatalenta ayisihlanu, enye aba mabili, enye laba linye, kwaba yileyo naleyo njengamandla ayo; wamuka-ke.

[16]Lowo obamukele amatalenta ayisihlanu wahamba masinyane, wasebenza ngawo, wazuza amanye ayisihlanu.

[17]Kanjalo obamukele amabili wazuza amanye amabili.

[18]Kepha obamukele lalinye waya wemba emhlabathini, wayifihla imali yenkosi yakhe.

[19] Kepha emva kwesikhathi eside yafika inkosi yalezo zinceku, yalandisana nazo.

[20]Weza obamukele amatalenta ayisihlanu, waletha amanye amatalenta ayisihlanu, wathi: Nkosi, wanginika amatalenta ayisihlanu; bheka, ngizuze amanye amatalenta ayisihlanu.

[21] Inkosi yakhe yathi kuye: Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka

muito te colocarei; entra no gozo do teu senhor.

22 E, aproximando-se também o que recebera dois talentos, disse: SENHOR, dois talentos me confiaste; aqui tens outros dois que ganhei.

23 Disse-lhe o senhor: Muito bem, servo bom e fiel; foste fiel no pouco, sobre o muito te colocarei; entra no gozo do teu senhor.

24 Chegando, por fim, o que recebera um talento, disse: SENHOR, sabendo que és homem severo, que ceifas onde não semeaste e ajuntas onde não espalhaste,

25 receoso, escondi na terra o teu talento; aqui tens o que é teu.

26 Respondeu-lhe, porém, o senhor: Servo mau e negligente, sabias que ceifo onde não semeei e ajunto onde não espalhei?

27 Cumpria, portanto, que entregasses o meu dinheiro aos banqueiros, e eu, ao voltar, receberia com juros o que é meu.

28 Tirai-lhe, pois, o talento e dai-o ao que tem dez.

29 Porque a todo o que tem se lhe dará, e terá em abundância; mas ao que não tem, até o que tem lhe será tirado.

30 E o servo inútil, lançai-o para fora, nas trevas. Ali haverá choro e ranger de dentes.

phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho.

22 Weza nobamukele amatalenta amabili, wathi: Nkosi, wanginika amatalenta amabili; bheka, ngizuze amanye amatalenta amabili.

23 Inkosi yakhe yathi kuye: Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho.

24 Kepha weza nobamukele italenta lalinye, wathi: Nkosi, bengikwazi ukuthi ungumuntu olukhuni; uvuna lapho ungahlwanyelanga khona, ubutha lapho ungafazanga khona;

25ngesaba, ngaya ngalithukusa emhlabathini italenta lakho; bheka, nakhu okwakho.

26 Kepha inkosi yakhe yaphendula, yathi kuye: Nceku embi nevilaphayo, ubukwazi ukuthi ngivuna lapha ngingahlwanyelanga khona, ngibutha lapha ngingafazanga khona, na?

27Ngakho wawumelwe ukubeka imali yami kwabebhange, mina-ke ekufikeni kwami ngabe ngitholile okwami kanye nenzalo.

28 Ngakho mamukeni italenta, nilinike onamatalenta ayishumi.

29Ngokuba yilowo nalowo onakho uyakuphiwa, avame; kepha ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho.

30 Leyo nceku engasiziyo yiphonseni ebumnyameni obungaphandle; lapho

kuyakuba khona ukukhala ngokugedla amazinyo.

O grande julgamento

31 Quando vier o Filho do Homem na sua majestade e todos os anjos com ele, então, se assentará no trono da sua glória;

32 e todas as nações serão reunidas em sua presença, e ele separará uns dos outros, como o pastor separa dos cabritos as ovelhas;

33 e porá as ovelhas à sua direita, mas os cabritos, à esquerda;

34 então, dirá o Rei aos que estiverem à sua direita: Vinde, benditos de meu Pai! Entrai na posse do reino que vos está preparado desde a fundação do mundo.

35 Porque tive fome, e me destes de comer; tive sede, e me destes de beber; era forasteiro, e me hospedastes;

36 estava nu, e me vestistes; enfermo, e me visitastes; preso, e fostes ver-me.

37 Então, perguntarão os justos: SENHOR, quando foi que te vimos com fome e te demos de comer? Ou com sede e te demos de beber?

38 E quando te vimos forasteiro e te hospedamos? Ou nu e te vestimos?

39 E quando te vimos enfermo ou preso e te fomos visitar?

40 O Rei, respondendo, lhes dirá: Em verdade vos afirmo que, sempre que o

Ukwahlulela kweNdodana yomuntu

31 Kepha nxa iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezingcwele kanye nayo, khona izakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo;

32 kuzakubuthelwa phambi kwayo izizwe zonke, ibahlukanise abanye kwabanye, njengomalusi ahlukanisa izimvu nezimbuzi,

33 imise izimvu ngakwesokunene sayo kepha izimbuzi ngakwesokhohlo.

34 Khona iNkosi izakuthi kwabangakwesokunene sayo: Zanini nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.

35 Ngokuba ngangilambile, nangipha ukudla; ngangomile, nangiphuzisa; ngangingumfokazi, nangingenisa;

36 ngihamba ze nangembathisa; ngangigula, nangihamba; ngangisetilongweni, neza kimi.

37 Khona bayakuyiphendula abalungileyo ngokuthi: Nkosi, sakubona nini ulambile sakupha ukudla, noma womile sakuphuzisa, na?

38 Sakubona nini ungumfokazi sakungenisa, noma uhamba ze sakwembathisa, na?

39 Sakubona nini ugula, noma usetilongweni, seza kuwe, na?

40 Isiyakuphendula iNkosi, ithi kubo: Ngiqinisile ngithi kini, njengokuba

fizestes a um destes meus pequeninos irmãos, a mim o fizestes.

41 Então, o Rei dirá também aos que estiverem à sua esquerda: Apartai-vos de mim, malditos, para o fogo eterno, preparado para o diabo e seus anjos.

42 Porque tive fome, e não me destes de comer; tive sede, e não me destes de beber;

43 sendo forasteiro, não me hospedastes; estando nu, não me vestistes; achando-me enfermo e preso, não fostes ver-me.

44 E eles lhe perguntarão: SENHOR, quando foi que te vimos com fome, com sede, forasteiro, nu, enfermo ou preso e não te assistimos?

45 Então, lhes responderá: Em verdade vos digo que, sempre que o deixastes de fazer a um destes mais pequeninos, a mim o deixastes de fazer.

46 E irão estes para o castigo eterno, porém os justos, para a vida eterna.

Mateus 26

O plano para tirar a vida de Jesus

Marcos 14.1-2; Lucas 22.1-2; João 11.45-53

1 Tendo Jesus acabado todos estes ensinamentos, disse a seus discípulos:

2 Sabeis que, daqui a dois dias, celebrar-se-á a Páscoa; e o Filho do Homem será entregue para ser crucificado.

nikwenzile komunye walaba bafowethu abancane, nikwenzile kimi.

41 Khona iyakuthi kwabangakwesokhohlo: Dedani kimi nina baqalekisiweyo, niye emlilweni ophakade olungiselwe uSathane nezingelosi zakhe.

42Ngokuba ngangilambile, aningiphanga ukudla; ngangomile, aningiphuzisanga;

43ngangingumfokazi, aningingenisanga; ngihamba ze aningembathisanga; ngigula, ngisetilongweni, aningihambanga.

44 Khona bayakuphendula nabo, bathi: Nkosi, sakubona nini ulambile, noma womile, noma ungumfokazi, noma uhamba ze, noma ugula, noma usetilongweni, singakukhonzanga, na?

45 Khona iyakubaphendula ithi: Ngiqinisile ngithi kini: Lokho eningakwenzanga komunye walaba abancinyane anikwenzanga nakimi.

46 Laba bayakumuka, baye ekujezisweni okuphakade, kodwa abalungileyo baye ekuphileni okuphakade.

NgokukaMathewu 26

Abakhulu balulekana ngoJesu

(Mark. 14:1; Luk. 22:1)

1Kwathi uJesu eseqedile onke lawo mazwi, wathi kubafundi bakhe:

2 Niyazi ukuthi emva kwezinsuku ezimbili kuyiPhasika; iNdodana yomuntu izakukhashelwa ukuba ibethelwe esiphambanweni.

[3] Então, os principais sacerdotes e os anciãos do povo se reuniram no palácio do sumo sacerdote, chamado Caifás;

[4] e deliberaram prender Jesus, à traição, e matá-lo.

[5] Mas diziam: Não durante a festa, para que não haja tumulto entre o povo.

Jesus ungido em Betânia
Marcos 14.3-9; João 12.1-8

[6] Ora, estando Jesus em Betânia, em casa de Simão, o leproso,

[7] aproximou-se dele uma mulher, trazendo um vaso de alabastro cheio de precioso bálsamo, que lhe derramou sobre a cabeça, estando ele à mesa.

[8] Vendo isto, indignaram-se os discípulos e disseram: Para que este desperdício?

[9] Pois este perfume podia ser vendido por muito dinheiro e dar-se aos pobres.

[10] Mas Jesus, sabendo disto, disse-lhes: Por que molestais esta mulher? Ela praticou boa ação para comigo.

[11] Porque os pobres, sempre os tendes convosco, mas a mim nem sempre me tendes;

[12] pois, derramando este perfume sobre o meu corpo, ela o fez para o meu sepultamento.

[13] Em verdade vos digo: Onde for pregado em todo o mundo este evangelho, será também contado o que ela fez, para memória sua.

O pacto da traição
Marcos 14.10-11; Lucas 22.3-6

[3]Khona kwabuthana abapristi abakhulu namalunga esizwe egcekeni lompristi omkhulu othiwa uKayafase.

[4]Bacebisana ukuba bambambe uJesu ngobuqili, bambulale.

[5]Kepha bathi: Makungabi ngomkhosi, funa kube khona isiyaluyalu esizweni.

UJesu ugcotshwa eBethaniya
(Mark. 14:3; Joh. 12:1)

[6] Kuthe uJesu eseBethaniya endlini kaSimoni owayenochoko,

[7]kwafika kuye owesifazane ephethe umfuma we-alabaste wamafutha anenani elikhulu, wawathela ekhanda lakhe ehlezi ekudleni.

[8]Kepha abafundi bakhe bebona lokho bathukuthela, bathi: Kwenzelwani lokho kuchitha na?

[9]Ngokuba lokho nga kuthengisiwe ngokukhulu, kwaphiwa abampofu.

[10]Kepha uJesu ekwazi lokho wathi kubo: Nimhluphelani owesifazane na? Ngokuba usebenzile umsebenzi omuhle kimi;

[11] ngokuba abampofu ninabo njalo, kepha mina aninami njalo.

[12]Ngokuba lapho ethela lawo mafutha emzimbeni wami, ukwenzele ukungilungisela ukumbelwa.

[13]Ngiqinisile ngithi kini: Nomaphi lapho liyakushunyayelwa khona leli vangeli ezweni lonke, kuyakukhulunywa nangalokho akwenzileyo, kube yisikhumbuzo ngaye.

Umvuzo wokumkhaphela uJesu
(Mark. 14:10; Luk. 22:3)

[14] Então, um dos doze, chamado Judas Iscariotes, indo ter com os principais sacerdotes, propôs:

[15] Que me quereis dar, e eu vo-lo entregarei? E pagaram-lhe trinta moedas de prata.

[16] E, desse momento em diante, buscava ele uma boa ocasião para o entregar.

Os discípulos preparam a Páscoa

Marcos 14.12-16; Lucas 22.7-13

[17] No primeiro dia da Festa dos Pães Asmos, vieram os discípulos a Jesus e lhe perguntaram: Onde queres que te façamos os preparativos para comeres a Páscoa?

[18] E ele lhes respondeu: Ide à cidade ter com certo homem e dizei-lhe: O Mestre manda dizer: O meu tempo está próximo; em tua casa celebrarei a Páscoa com os meus discípulos.

[19] E eles fizeram como Jesus lhes ordenara e prepararam a Páscoa.

O traidor é indicado

Marcos 14.17-21; Lucas 22.21-23; João 13.21-30

[20] Chegada a tarde, pôs-se ele à mesa com os doze discípulos.

[21] E, enquanto comiam, declarou Jesus: Em verdade vos digo que um dentre vós me trairá.

[22] E eles, muitíssimo contristados, começaram um por um a perguntar-lhe: Porventura, sou eu, SENHOR?

[23] E ele respondeu: O que mete comigo a mão no prato, esse me trairá.

[24] O Filho do Homem vai, como está escrito a seu respeito, mas ai daquele por

[14] Khona kwasuka omunye wabayishumi nambili othiwa uJuda Iskariyothe, waya kubapristi abakhulu,

[15] wathi: Niyakunginikani, ngimkhaphele kini, na? Base bemnika izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu.

[16]Kusukela lapho wafuna ithuba lokumkhaphela.

Ukumiswa kwesidlo esingcwele

(Mark. 14:12; Luk. 22:7; Joh. 13:21)

[17] Kepha ngosuku lokuqala lwesinkwa esingenamvubelo abafundi beza kuJesu, bathi: Uthanda ukuba sikulungiselephi ukuba udle iphasika na?

[18]Wathi: Hambani niye emzini kumuntu othile, nithi kuye: Uthi uMfundisi: Isikhathi sami siseduze; ngizakwenza iphasika kwakho kanye nabafundi bami.

[19]Abafundi benza-ke njengokuba uJesu ebayalile; balungisa iphasika.

[20] Kwathi sekuhlwile, wayehlezi ekudleni nabafundi abayishumi nambili.

[21] Besadla, wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Omunye kini uzakungikhaphela.

[22]Badabuka kakhulu, baqala ukusho kuye, kwaba yilowo, nalowo, ukuthi: Kungaba yimi, Nkosi, na?

[23] Kepha waphendula wathi: Ofake isandla kanye nami esitsheni nguyena ozakungikhaphela.

[24]INdodana yomuntu iyamuka kambe njengokulotshiwe ngayo, kepha maye

intermédio de quem o Filho do Homem está sendo traído! Melhor lhe fora não haver nascido!

25 Então, Judas, que o traía, perguntou: Acaso, sou eu, Mestre? Respondeu-lhe Jesus: Tu o disseste.

kulowo muntu iNdodana yomuntu ekhashelwa ngaye! Nga kukuhle kulowo muntu ukuba kazalwanga.

25Wayesephendula uJuda omkhaphelayo, wathi: Kungaba yimi, Rabi, na? Wathi kuye: Usho khona.

A Ceia do Senhor

Marcos 14.22-26; Lucas 22.14-20; 1 Coríntios 11.23-25

26 Enquanto comiam, tomou Jesus um pão, e, abençoando-o, o partiu, e o deu aos discípulos, dizendo: Tomai, comei; isto é o meu corpo.

26 Besadla, uJesu wathabatha isinkwa, wasibusisa, wasihlephula, wanika abafundi bakhe, wathi: Thabathani nidle; lokhu kungumzimba wami.

27 A seguir, tomou um cálice e, tendo dado graças, o deu aos discípulos, dizendo: Bebei dele todos;

27Wayesethabatha isitsha, wabonga, wabanika, wathi: Phuzani nonke kuso;

28 porque isto é o meu sangue, o sangue da [nova] aliança, derramado em favor de muitos, para remissão de pecados.

28 ngokuba lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono.

29 E digo-vos que, desta hora em diante, não beberei deste fruto da videira, até aquele dia em que o hei de beber, novo, convosco no reino de meu Pai.

29Kepha ngithi kini: Kusukela manje angisayikuphuza kulesi sithelo somvini, kuze kufike lolo suku engiyakusiphuza ngalo nani sisisha embusweni kaBaba.

30 E, tendo cantado um hino, saíram para o monte das Oliveiras.

30 Kwathi sebehlabelele igama lokubonga, baphuma, baya eNtabeni Yeminqumo.

Pedro é avisado

Marcos 14.27-31; Lucas 22.31-34; João 13.36-38

31 Então, Jesus lhes disse: Esta noite, todos vós vos escandalizareis comigo; porque está escrito: Ferirei o pastor, e as ovelhas do rebanho ficarão dispersas.

31 Khona uJesu wathi kubo: Nina nonke nizakukhubeka ngami ngalobu busuku, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ngiyakushaya umalusi, izimvu zomhlambi zihlakazeke ;

32 Mas, depois da minha ressurreição, irei adiante de vós para a Galiléia.

32 kodwa emva kokuvuswa kwami ngiyakunandulela ukuya eGalile.

33 Disse-lhe Pedro: Ainda que venhas a ser um tropeço para todos, nunca o serás para mim.

33 UPetru waphendula, wathi kuye: Noma bonke beyakukhubeka ngawe, mina angisoze ngakhubeka.

[34] Replicou-lhe Jesus: Em verdade te digo que, nesta mesma noite, antes que o galo cante, tu me negarás três vezes.

[35] Disse-lhe Pedro: Ainda que me seja necessário morrer contigo, de nenhum modo te negarei. E todos os discípulos disseram o mesmo.

Jesus no Getsêmani

Marcos 14.32-42; Lucas 22.39-46

[36] Em seguida, foi Jesus com eles a um lugar chamado Getsêmani e disse a seus discípulos: Assentai-vos aqui, enquanto eu vou ali orar;

[37] e, levando consigo a Pedro e aos dois filhos de Zebedeu, começou a entristecer-se e a angustiar-se.

[38] Então, lhes disse: A minha alma está profundamente triste até à morte; ficai aqui e vigiai comigo.

[39] Adiantando-se um pouco, prostrou-se sobre o seu rosto, orando e dizendo: Meu Pai, se possível, passe de mim este cálice! Todavia, não seja como eu quero, e sim como tu queres.

[40] E, voltando para os discípulos, achou-os dormindo; e disse a Pedro: Então, nem uma hora pudestes vós vigiar comigo?

[41] Vigiai e orai, para que não entreis em tentação; o espírito, na verdade, está pronto, mas a carne é fraca.

[42] Tornando a retirar-se, orou de novo, dizendo: Meu Pai, se não é possível passar de mim este cálice sem que eu o beba, faça-se a tua vontade.

[34]UJesu wathi kuye: Ngiqinisile ngithi kuwe: Ngalobu busuku, lingakakhali iqhude, uzakungiphika kathathu.

[35]UPetru wayesethi kuye: Noma ngingaze ngife nawe, angisoze ngakuphika. Basho njalo nabafundi bonke.

EGetsemane

(Mark. 14:32; Luk. 22:39)

[36] Khona uJesu wafika nabo endaweni ethiwa iGetsemane, wathi kubafundi: Hlalani lapha, ngisaya kukhuleka laphaya.

[37] Wathatha uPetru namadodana amabili kaZebedewu, waqala ukuba nomunyu nosizi.

[38] Khona wathi kubo: Umphefumulo wami ulusizi kakhulu kuze kube sekufeni; hlalani lapha, nilinde kanye nami.

[39] Waqhubeka ingcosana, wawa ngobuso bakhe, wakhuleka wathi: Baba, uma kungenzeka, akudlule kimi lesi sitsha; nokho kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena.

[40]Wayeseza kubafundi, wabafumana belele; wathi kuPetru: Kanti beningelinde nami ihora libe linye na?

[41] Lindani, nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni; umoya uyavuma, kepha inyama ibuthakathaka.

[42]Wabuye waya ngokwesibili, wakhuleka wathi: Baba, uma lesi sitsha singedlule kimi ngingasiphuzanga, mayenziwe intando yakho.

[43] E, voltando, achou-os outra vez dormindo; porque os seus olhos estavam pesados.

[43]Esebuya futhi wabafumana belele, ngokuba amehlo abo ayenzima.

[44] Deixando-os novamente, foi orar pela terceira vez, repetindo as mesmas palavras.

[44]Wabuye wabashiya, waya wakhuleka ngokwesithathu esho futhi lona lelo zwi.

[45] Então, voltou para os discípulos e lhes disse: Ainda dormis e repousais! Eis que é chegada a hora, e o Filho do Homem está sendo entregue nas mãos de pecadores.

[45]Khona wafika kubafundi, wathi kubo: Nisalele namanje niphumula; bhekani, ihora selisondele, iNdodana yomuntu isiyakhashelwa ezandleni zezoni.

[46] Levantai-vos, vamos! Eis que o traidor se aproxima.

[46]Sukumani sihambe; bhekani, ongikhaphelayo usesondele.

Jesus é preso

Marcos 14.43-50; Lucas 22.47-53; João 18.2-11

Ukuboshwa kukaJesu nokuthethwa kwecala lakhe

(Mark. 14:43; Luk. 22:47, 63; Joh. 18:2)

[47] Falava ele ainda, e eis que chegou Judas, um dos doze, e, com ele, grande turba com espadas e porretes, vinda da parte dos principais sacerdotes e dos anciãos do povo.

[47] Esakhuluma, bheka, kwafika uJuda, omunye wabayishumi nambili, enesixuku esikhulu sinezinkemba nezinduku, sivela kubapristi abakhulu namalunga esizwe.

[48] Ora, o traidor lhes tinha dado este sinal: Aquele a quem eu beijar, é esse; prendei-o.

[48]Kepha omkhaphelayo wayebanike isiboniso sokuthi: Lowo engiyakumanga nguye; mbambeni yena.

[49] E logo, aproximando-se de Jesus, lhe disse: Salve, Mestre! E o beijou.

[49]Wafika masinyane kuJesu, wathi: E Rabi! Wamanga.

[50] Jesus, porém, lhe disse: Amigo, para que vieste? Nisto, aproximando-se eles, deitaram as mãos em Jesus e o prenderam.

[50] UJesu wayesethi kuye: Mngane, ubabeleni na? Khona basondela, babeka izandla kuJesu, bambamba.

[51] E eis que um dos que estavam com Jesus, estendendo a mão, sacou da espada e, golpeando o servo do sumo sacerdote, cortou-lhe a orelha.

[51] Bheka, omunye kwababe noJesu welula isandla, wahosha inkemba yakhe, wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe.

[52] Então, Jesus lhe disse: Embainha a tua espada; pois todos os que lançam mão da espada à espada perecerão.

[52]UJesu wayesethi kuye: Buyisela inkemba yakho endaweni yayo, ngokuba bonke abaphatha inkemba bayakubhubha ngenkemba.

[53] Acaso, pensas que não posso rogar a meu Pai, e ele me mandaria neste momento mais de doze legiões de anjos?

[53]Ingabe uthi ngingecele kuBaba angithumele manje amalegiyona ezingelosi adlula ishumi nambili na?

[54] Como, pois, se cumpririam as Escrituras, segundo as quais assim deve suceder?

[54]Pho-ke ingagcwaliseka kanjani imibhalo yokuthi kumelwe ukuba kube njalo na?

[55] Naquele momento, disse Jesus às multidões: Saístes com espadas e porretes para prender-me, como a um salteador? Todos os dias, no templo, eu me assentava [convosco] ensinando, e não me prendestes.

[55] Ngaleso sikhathi uJesu wathi ezixukwini: Niphumile kungathi nize kumphangi, niphethe izinkemba nezinduku ukungibamba, na? Bengihlezi ethempelini imihla ngemihla ngifundisa, anangibamba.

[56] Tudo isto, porém, aconteceu para que se cumprissem as Escrituras dos profetas. Então, os discípulos todos, deixando-o, fugiram.

[56]Kepha konke lokho kwenzekile ukuba kugcwaliseke imibhalo yabaprofethi. Khona bonke abafundi bamshiya, babaleka.

Jesus perante o Sinédrio

Marcos 14.53-65; Lucas 22.63-71; João 18.12-14,19-24

[57] E os que prenderam Jesus o levaram à casa de Caifás, o sumo sacerdote, onde se haviam reunido os escribas e os anciãos.

[57] Ababembambile uJesu bamusa kuKayafase umpristi omkhulu, lapho kwakubuthene khona ababhali namalunga.

[58] Mas Pedro o seguia de longe até ao pátio do sumo sacerdote e, tendo entrado, assentou-se entre os serventuários, para ver o fim.

[58]Kepha uPetru wamlandela ekude kwaze kwaba segcekeni lompristi omkhulu; wangena phakathi, wahlala phansi nezikhonzi ukuba abone isigcino.

[59] Ora, os principais sacerdotes e todo o Sinédrio procuravam algum testemunho falso contra Jesus, a fim de o condenarem à morte.

[59]Abapristi abakhulu nomphakathi wonke bafuna ubufakazi bamanga ngoJesu, ukuze bambulale;

[60] E não acharam, apesar de se terem apresentado muitas testemunhas falsas. Mas, afinal, compareceram duas, afirmando:

[60]kepha ababufumananga, nakuba kwafika ofakazi abaningi bamanga. Kodwa kamuva kwavela ababili,

[61] Este disse: Posso destruir o santuário de Deus e reedificá-lo em três dias.

[62] E, levantando-se o sumo sacerdote, perguntou a Jesus: Nada respondes ao que estes depõem contra ti?

[63] Jesus, porém, guardou silêncio. E o sumo sacerdote lhe disse: Eu te conjuro pelo Deus vivo que nos digas se tu és o Cristo, o Filho de Deus.

[64] Respondeu-lhe Jesus: Tu o disseste; entretanto, eu vos declaro que, desde agora, vereis o Filho do Homem assentado à direita do Todo-Poderoso e vindo sobre as nuvens do céu.

[65] Então, o sumo sacerdote rasgou as suas vestes, dizendo: Blasfemou! Que necessidade mais temos de testemunhas? Eis que ouvistes agora a blasfêmia!

[66] Que vos parece? Responderam eles: É réu de morte.

[67] Então, uns cuspiram-lhe no rosto e lhe davam murros, e outros o esbofeteavam, dizendo:

[68] Profetiza-nos, ó Cristo, quem é que te bateu!

Pedro nega a Jesus

Marcos 14.66-72; Lucas 22.55-62; João 18.15-18,25-27

[69] Ora, estava Pedro assentado fora no pátio; e, aproximando-se uma criada, lhe disse: Também tu estavas com Jesus, o galileu.

[70] Ele, porém, o negou diante de todos, dizendo: Não sei o que dizes.

[61] bathi: Lo wathi: Nginamandla okudiliza ithempeli likaNkulunkulu, ngibuye ngilakhe ngezinsuku ezintathu.

[62]Kwase kusukuma umpristi omkhulu, wathi kuye: Awuphenduli lutho na? Kuyini abakufakaza ngawe laba na?

[63] Kepha uJesu wathula. Wayesethi kuye umpristi omkhulu: Ngikufungisa uNkulunkulu ophilayo ukuba usitshele uma unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu.

[64] UJesu wayesethi kuye: Usho khona. Nokho ngithi kini: Kusukela manje niyakubona iNdodana yomuntu ihlezi ngakwesokunene saMandla, iza emafwini ezulu.

[65] Khona umpristi omkhulu waklebhula izingubo zakhe, wathi: Usehlambalazile; sisaswelelani ofakazi na? Bheka, kalokhu nikuzwile ukuhlambalaza kwakhe.

[66] Nithini na? Kepha baphendula bathi: Ufanele ukufa.

[67] Base bemkhafulela ngamathe ebusweni, bamdushuza, kepha abanye bammukula,

[68]bathi: Siprofethele, Kristu; ngubani okushayileyo na?

Ukuphika kukaPetru

(Mark. 14:66; Luk. 22:54; Joh. 18:17, 25)

[69] Kepha uPetru wayehlezi ngaphandle egcekeni; kweza kuye intombazana, yathi: Nawe ubunoJesu waseGalile.

[70]Kodwa waphika phambi kwabo bonke, wathi: Angikwazi lokhu okushoyo.

[71] E, saindo para o alpendre, foi ele visto por outra criada, a qual disse aos que ali estavam: Este também estava com Jesus, o Nazareno.

[71]Kwathi esephumele esangweni, enye intombazana yambona, yathi kwababe lapho: Lona ube noJesu waseNazaretha.

[72] E ele negou outra vez, com juramento: Não conheço tal homem.

[72]Waphika futhi ngokufunga, wathi: Angimazi lowo muntu.

[73] Logo depois, aproximando-se os que ali estavam, disseram a Pedro: Verdadeiramente, és também um deles, porque o teu modo de falar o denuncia.

[73]Emva kwesikhashana ababemi khona basondela, bathi kuPetru: Nempela nawe ungomunye wabo, ngokuba nokukhuluma kwakho kuyakudalula.

[74] Então, começou ele a praguejar e a jurar: Não conheço esse homem! E imediatamente cantou o galo.

[74]Khona waqala ukuthuka nokufunga, wathi: Angimazi lowo muntu. Masinyane lase likhala iqhude.

[75] Então, Pedro se lembrou da palavra que Jesus lhe dissera: Antes que o galo cante, tu me negarás três vezes. E, saindo dali, chorou amargamente.

[75]UPetru wayesekhumbula izwi likaJesu abelishilo lokuthi: Iqhude lingakakhali, uzakungiphika kathathu. Waphumela phandle, wakhala kamunyu.

Mateus 27

Jesus entregue a Pilatos

Marcos 15.1; Lucas 23.1-2; João 18.28-32

[1] Ao romper o dia, todos os principais sacerdotes e os anciãos do povo entraram em conselho contra Jesus, para o matarem;

[2] e, amarrando-o, levaram-no e o entregaram ao governador Pilatos.

O suicídio de Judas

[3] Então, Judas, o que o traiu, vendo que Jesus fora condenado, tocado de remorso, devolveu as trinta moedas de prata aos principais sacerdotes e aos anciãos, dizendo:

[4] Pequei, traindo sangue inocente. Eles, porém, responderam: Que nos importa? Isso é contigo.

NgokukaMathewu 27

UJesu ephambi kukaPilatu. Ukuzibulala kukaJuda

(Mark. 15:1; Luk. 23:1, 13; Joh. 18:28; 19:2, 16)

[1] Kwathi sekusile, bonke abapristi abakhulu namalunga esizwe benza icebo ngoJesu lokuba bambulale;

[2] bambopha, bamuka naye, bamnikela kuPilatu umbusi.

[3] Khona uJuda owamkhaphelayo, ebona ukuthi ulahliwe, wazisola, wabuyisela izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu kubapristi namalunga,

[4]wathi: Ngonile ukuba ngikhaphele igazi elingenacala. Bona bathi: Kuyini lokho kithi na? Zibonele wena.

[5] Então, Judas, atirando para o santuário as moedas de prata, retirou-se e foi enforcar-se.	[5] Wayesephonsa izinhlamvu zesiliva ethempelini, wamuka, waziphanyeka.
[6] E os principais sacerdotes, tomando as moedas, disseram: Não é lícito deitá-las no cofre das ofertas, porque é preço de sangue.	[6]Kepha abapristi abakhulu bazithatha izinhlamvu zesiliva, bathi: Akuvunyelwe ukuzifaka emnikelweni, ngokuba kuyimali yegazi.
[7] E, tendo deliberado, compraram com elas o campo do oleiro, para cemitério de forasteiros.	[7]Benza icebo, bathenga ngayo insimu yombumbi, ibe ngeyokumbela abafokazi.
[8] Por isso, aquele campo tem sido chamado, até ao dia de hoje, Campo de Sangue.	[8]Ngalokho insimu leyo ithiwa insimu yegazi kuze kube namuhla.
[9] Então, se cumpriu o que foi dito por intermédio do profeta Jeremias: Tomaram as trinta moedas de prata, preço em que foi estimado aquele a quem alguns dos filhos de Israel avaliaram;	[9]Khona kwagcwaliseka okwashiwo ngomprofethi uJeremiya ukuthi: Bathatha izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, inani lowamiselwa inani onani lakhe lamiswa ngamadodana ka-Israyeli;
[10] e as deram pelo campo do oleiro, assim como me ordenou o SENHOR.	[10]bakhokha ngazo insimu yombumbi, njengokuba iNkosi ingiyalile.
Jesus perante Pilatos Marcos 15.1-15; Lucas 23.1-5,13-25; João 18.33—19.16	
[11] Jesus estava em pé ante o governador; e este o interrogou, dizendo: És tu o rei dos judeus? Respondeu-lhe Jesus: Tu o dizes.	[11] Kepha uJesu wayemi phambi kombusi; umbusi wambuza wathi: Wena uyinkosi yabaJuda na? UJesu wathi kuye: Usho khona.
[12] E, sendo acusado pelos principais sacerdotes e pelos anciãos, nada respondeu.	[12] Kwathi lapho abapristi abakhulu namalunga bemthwesa icala, kaphendulanga lutho.
[13] Então, lhe perguntou Pilatos: Não ouves quantas acusações te fazem?	[13]Khona uPilatu wathi kuye: Awuzwa yini lokho okungaka abakufakaza ngawe na?
[14] Jesus não respondeu nem uma palavra, vindo com isto a admirar-se grandemente o governador.	[14] Akaze amphendula nakwelilodwa izwi, umbusi waze wamangala kakhulu.

[15] Ora, por ocasião da festa, costumava o governador soltar ao povo um dos presos, conforme eles quisessem.

[16] Naquela ocasião, tinham eles um preso muito conhecido, chamado Barrabás.

[17] Estando, pois, o povo reunido, perguntou-lhes Pilatos: A quem quereis que eu vos solte, a Barrabás ou a Jesus, chamado Cristo?

[18] Porque sabia que, por inveja, o tinham entregado.

[19] E, estando ele no tribunal, sua mulher mandou dizer-lhe: Não te envolvas com esse justo; porque hoje, em sonho, muito sofri por seu respeito.

[20] Mas os principais sacerdotes e os anciãos persuadiram o povo a que pedisse Barrabás e fizesse morrer Jesus.

[21] De novo, perguntou-lhes o governador: Qual dos dois quereis que eu vos solte? Responderam eles: Barrabás!

[22] Replicou-lhes Pilatos: Que farei, então, de Jesus, chamado Cristo? Seja crucificado! Responderam todos.

[23] Que mal fez ele? Perguntou Pilatos. Porém cada vez clamavam mais: Seja crucificado!

[24] Vendo Pilatos que nada conseguia, antes, pelo contrário, aumentava o tumulto, mandando vir água, lavou as mãos perante o povo, dizendo: Estou inocente do sangue deste [justo]; fique o caso convosco!

[15] Kepha ngomkhosi umbusi wayejwayele ukukhululela isixuku isiboshwa sibe sinye esasisithanda.

[16]Ngaleso sikhathi babe nesiboshwa esidumileyo esithiwa uBaraba.

[17] Ngakho sebebuthene, uPilatu wathi kubo: Nithanda ukuba nginikhululele bani, uBaraba nokuba uJesu othiwa uKristu, na?

[18]Ngokuba wayekwazi ukuthi bamnikele ngomhawu.

[19]Esahlezi esihlalweni sokwahlulela, umkakhe wathumela kuye, wathi: Ungabi nandaba kulowo muntu olungileyo; ngokuba ngihluphekile kakhulu namuhla ngaye ephusheni.

[20]Kepha abapristi abakhulu namalunga bancenga izixuku ukuba zicele uBaraba, zimbulale uJesu.

[21] Wayesephendula umbusi, wathi kubo: Nithanda ukuba nginikhululele muphi kulaba ababili na? Bathi: UBaraba.

[22]UPilatu wathi kubo: Pho-ke, ngimenze njani uJesu othiwa uKristu na? Bonke bathi: Makabethelwe esiphambanweni.

[23]Wayesethi: Ngokuba wenze bubi buni na? Kepha bamemeza kakhulu, bathi: Makabethelwe esiphambanweni.

[24] UPilatu esebona ukuthi akanakwenza lutho nokuthi isiphithiphithi sesanda kakhulu, wathatha amanzi, wahlamba izandla phambi kwesixuku, wathi: Anginacala egazini lalo muntu; ziboneleni nina.

[25] E o povo todo respondeu: Caia sobre nós o seu sangue e sobre nossos filhos!

[26] Então, Pilatos lhes soltou Barrabás; e, após haver açoitado a Jesus, entregou-o para ser crucificado.

Jesus entregue aos soldados

Marcos 15.16-20; João 19.2-3

[27] Logo a seguir, os soldados do governador, levando Jesus para o pretório, reuniram em torno dele toda a coorte.

[28] Despojando-o das vestes, cobriram-no com um manto escarlate;

[29] tecendo uma coroa de espinhos, puseram-lha na cabeça e, na mão direita, um caniço; e, ajoelhando-se diante dele, o escarneciam, dizendo: Salve, rei dos judeus!

[30] E, cuspindo nele, tomaram o caniço e davam-lhe com ele na cabeça.

[31] Depois de o terem escarnecido, despiram-lhe o manto e o vestiram com as suas próprias vestes. Em seguida, o levaram para ser crucificado.

Simão leva a cruz do Senhor

Marcos 15.21; Lucas 23.26

[32] Ao saírem, encontraram um cireneu, chamado Simão, a quem obrigaram a carregar-lhe a cruz.

A crucificação

Marcos 15.22-32; Lucas 23.32-43; João 19.17-24

[33] E, chegando a um lugar chamado Gólgota, que significa Lugar da Caveira,

[25]Abantu bonke base bephendula bethi: Igazi lakhe malibe phezu kwethu naphezu kwabantwana bethu.

[26]Wayesebakhululela uBaraba, kepha wamshaya uJesu, wamnikela ukuba abethelwe esiphambanweni.

[27] Khona amabutho ombusi ayesemthatha uJesu, amngenisa enqabeni, aqoqela kuye ibutho lonke.

[28]Amhlubula, amembathisa ingubo ebomvu,

[29]aluka umqhele wameva, awufaka ekhanda lakhe, nomhlanga esandleni sakhe sokunene, aguqa ngamadolo phambi kwakhe, ambhinqa athi: Bayede, nkosi yabaJuda!

[30] Amkhafulela ngamathe, athatha umhlanga, amshaya ekhanda lakhe.

[31]Esembhinqile amhlubula ingubo, amembathisa izingubo zakhe, amuka naye ukuyombethela esiphambanweni.

[32] Esaphuma afumana umuntu waseKhurene, nguSimoni igama lakhe; amcindezela lowo ukuba athwale isiphambano sakhe.

UJesu esesiphambanweni

(Mark. 15:22; Luk. 23:26; Joh. 19:17)

[33] Esefikile endaweni ethiwa iGolgotha okungukuthi iNdawo Yekhanda,

[34] deram-lhe a beber vinho com fel; mas ele, provando-o, não o quis beber.

[35] Depois de o crucificarem, repartiram entre si as suas vestes, tirando a sorte.

[36] E, assentados ali, o guardavam.

[37] Por cima da sua cabeça puseram escrita a sua acusação: ESTE É JESUS, O REI DOS JUDEUS.

[38] E foram crucificados com ele dois ladrões, um à sua direita, e outro à sua esquerda.

[39] Os que iam passando blasfemavam dele, meneando a cabeça e dizendo:

[40] Ó tu que destróis o santuário e em três dias o reedificas! Salva-te a ti mesmo, se és Filho de Deus, e desce da cruz!

[41] De igual modo, os principais sacerdotes, com os escribas e anciãos, escarnecendo, diziam:

[42] Salvou os outros, a si mesmo não pode salvar-se. É rei de Israel! Desça da cruz, e creremos nele.

[43] Confiou em Deus; pois venha livrá-lo agora, se, de fato, lhe quer bem; porque disse: Sou Filho de Deus.

[44] E os mesmos impropérios lhe diziam também os ladrões que haviam sido crucificados com ele.

A morte de Jesus

Marcos 15.33-41; Lucas 23.44-49; João 19.28-30

[45] Desde a hora sexta até à hora nona, houve trevas sobre toda a terra.

[34] amphuzisa iwayini elixutshwe nenyongo; kepha kuthe elizwa, akathandanga ukuliphuza.

[35] Esembethele esiphambanweni abelana izingubo zakhe, enzelana inkatho;

[36]ahlala amlinda khona.

[37]Abeka ngaphezu kwekhanda lakhe icala lakhe libhalwe ngokuthi: LO NGUJESU, INKOSI YABAJUDA.

[38] Kwabethelwa kanye naye abaphangi ababili, omunye ngakwesokunene nomunye ngakwesokhohlo.

[39] Kepha abadlulayo bamhlambalaza benikina amakhanda abo,

[40] bathi: Wena odiliza ithempeli, ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu, zisindise, uma uyiNdodana kaNkulunkulu, wehle esiphambanweni.

[41]Kanjalo nabapristi abakhulu bambhinqa kanye nababhali namalunga, bathi:

[42] Wasindisa abanye, angezisindise yena; uyinkosi yakwa-Israyeli, akehle manje esiphambanweni, sikholwe nguye.

[43] Wethembile uNkulunkulu; makamkhulule manje, uma emthanda, ngokuba wathi: NgiyiNdodana kaNkulunkulu.

[44] Kepha nabaphangi ababebethelwe esiphambanweni kanye naye bamdumaza kanjalo.

[45] Kepha kusukela ngehora lesithupha kwaba mnyama emhlabeni wonke, kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye.

[46] Por volta da hora nona, clamou Jesus em alta voz, dizendo: Eli, Eli, lamá sabactâni? O que quer dizer: Deus meu, Deus meu, por que me desamparaste?

[47] E alguns dos que ali estavam, ouvindo isto, diziam: Ele chama por Elias.

[48] E, logo, um deles correu a buscar uma esponja e, tendo-a embebido de vinagre e colocado na ponta de um caniço, deu-lhe a beber.

[49] Os outros, porém, diziam: Deixa, vejamos se Elias vem salvá-lo.

[50] E Jesus, clamando outra vez com grande voz, entregou o espírito.

[51] Eis que o véu do santuário se rasgou em duas partes de alto a baixo; tremeu a terra, fenderam-se as rochas;

[52] abriram-se os sepulcros, e muitos corpos de santos, que dormiam, ressuscitaram;

[53] e, saindo dos sepulcros depois da ressurreição de Jesus, entraram na cidade santa e apareceram a muitos.

[54] O centurião e os que com ele guardavam a Jesus, vendo o terremoto e tudo o que se passava, ficaram possuídos de grande temor e disseram: Verdadeiramente este era Filho de Deus.

[55] Estavam ali muitas mulheres, observando de longe; eram as que vinham seguindo a Jesus desde a Galiléia, para o servirem;

[56] entre elas estavam Maria Madalena, Maria, mãe de Tiago e de José, e a mulher de Zebedeu.

[46] Kepha ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Eli, Eli, lama sabaktani? okungukuthi: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?

[47]Abanye kwababemi khona bekuzwa bathi: Lo ubiza u-Eliya.

[48] Masinyane omunye kubo wagijima, wathatha ilula, waligcwalisa ngoviniga, walihloma emhlangeni, wamphusiza.

[49]Kepha abanye bathi: Yeka, sibone uma u-Eliya eza ukumsindisa.

[50]UJesu wabuye wamemeza ngezwi elikhulu, wafa.

[51] Bheka-ke, isihenqo sethempeli sadabuka kabili, kusukela phezulu kuze kufike phansi; umhlaba wazamazama, amadwala aqhekezeka;

[52]amathuna avuleka, imizimba eminingi yabangcwele ababelele yavuka;

[53]baphuma emathuneni emva kokuvuka kwakhe, bangena emzini ongcwele, babonakala kwabaningi.

[54]Kepha induna yekhulu nababe nayo belinda uJesu sebebona ukuzamazama nalokho okwenzekileyo besaba kakhulu, bathi: Nempela lo ube yiNdodana kaNkulunkulu.

[55] Kwakukhona lapho abesifazane abaningi bebukela, bekude, ababemlandele uJesu bevela eGalile, bemkhonza;

[56]phakathi kwabo kwakukhona oMariya Magdalena, unina kaJakobe nokaJose, nonina wamadodana kaZebedewu.

O sepultamento de Jesus

Marcos 15.42-47; Lucas 23.50-56; João 19.38-42

57 Caindo a tarde, veio um homem rico de Arimatéia, chamado José, que era também discípulo de Jesus.

58 Este foi ter com Pilatos e lhe pediu o corpo de Jesus. Então, Pilatos mandou que lho fosse entregue.

59 E José, tomando o corpo, envolveu-o num pano limpo de linho

60 e o depositou no seu túmulo novo, que fizera abrir na rocha; e, rolando uma grande pedra para a entrada do sepulcro, se retirou.

61 Achavam-se ali, sentadas em frente da sepultura, Maria Madalena e a outra Maria.

A guarda do sepulcro

62 No dia seguinte, que é o dia depois da preparação, reuniram-se os principais sacerdotes e os fariseus e, dirigindo-se a Pilatos,

63 disseram-lhe: SENHOR, lembramo-nos de que aquele embusteiro, enquanto vivia, disse: Depois de três dias ressuscitarei.

64 Ordena, pois, que o sepulcro seja guardado com segurança até ao terceiro dia, para não suceder que, vindo os discípulos, o roubem e depois digam ao povo: Ressuscitou dos mortos; e será o último embuste pior que o primeiro.

65 Disse-lhes Pilatos: Aí tendes uma escolta; ide e guardai o sepulcro como bem vos parecer.

Ukumbelwa kukaJesu

(Mark. 15:42; Luk. 23:50; Joh. 19:38)

57 Sekuhlwile, kwafika umuntu ocebileyo wase-Arimatheya, igama lakhe nguJosefa, owayengumfundi kaJesu naye;

58lo waya kuPilatu, wacela isidumbu sikaJesu. Khona uPilatu wayala ukuba anikwe sona.

59UJosefa wasithatha isidumbu, wasisonga ngendwangu enhle ehlanzekileyo,

60wasibeka ethuneni lakhe elisha ayeliqophe edwaleni, wagingqela itshe elikhulu emnyango wethuna, wahamba.

61Kepha kwakukhona lapho uMariya Magdalena nomunye uMariya behlezi phambi kweliba.

62Kepha ngangomuso okungolulandela usuku lokulungisela abapristi abakhulu nabaFarisi babuthana kuPilatu,

63 bathi: Nkosi, sikhumbula ukuthi lowo mkhohlisi esekhona wathi: Emva kwezinsuku ezintathu ngizakuvuka.

64 Ngakho yala ukuba iliba ligcinwe kuze kube lusuku lwesithathu ukuba abafundi bakhe bangaze bafike bamebe, bathi kubantu: Uvukile kwabafileyo; kuthi inkohliso yokugcina ibe mbi kuneyokuqala.

65UPilatu wathi kubo: Nampa abalindi; hambani niligcine njengokubona kwenu.

[66] Indo eles, montaram guarda ao sepulcro, selando a pedra e deixando ali a escolta.

Mateus 28

A ressurreição de Jesus. Seu aparecimento às mulheres

Marcos 16.1-8; Lucas 24.1-12; João 20.1-10

[1] No findar do sábado, ao entrar o primeiro dia da semana, Maria Madalena e a outra Maria foram ver o sepulcro.

[2] E eis que houve um grande terremoto; porque um anjo do SENHOR desceu do céu, chegou-se, removeu a pedra e assentou-se sobre ela.

[3] O seu aspecto era como um relâmpago, e a sua veste, alva como a neve.

[4] E os guardas tremeram espavoridos e ficaram como se estivessem mortos.

[5] Mas o anjo, dirigindo-se às mulheres, disse: Não temais; porque sei que buscais Jesus, que foi crucificado.

[6] Ele não está aqui; ressuscitou, como tinha dito. Vinde ver onde ele jazia.

[7] Ide, pois, depressa e dizei aos seus discípulos que ele ressuscitou dos mortos e vai adiante de vós para a Galiléia; ali o vereis. É como vos digo!

[8] E, retirando-se elas apressadamente do sepulcro, tomadas de medo e grande alegria, correram a anunciá-lo aos discípulos.

[66]Base behamba, baligcina iliba, babeka uphawu etsheni bekanye nabalindi.

NgokukaMathewu 28

Ukuvuka nokuzibonakalisa kukaJesu

(Mark. 16:1; Luk. 24:1; Joh. 20:1)

[1] Kepha ekupheleni kwesabatha ngovivi lolokuqala lweviki kwafika uMariya Magdalena nomunye uMariya, beza ukuyobona iliba.

[2]Bheka, kwaba khona ukuzamazama komhlaba okukhulu, ngokuba ingelosi yeNkosi yehla ezulwini, yeza yagingqa itshe, yahlala phezu kwalo.

[3]Ukubonakala kwayo kwakunjengonyazi, nesambatho sayo sasimhlophe njengongqoqwane.

[4]Kepha abalindi bathuthumela ngokuyesaba, baba njengabafileyo.

[5] Kodwa ingelosi yaphendula, yathi kwabesifazane: Ningesabi nina; ngokuba ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obebethelwe esiphambanweni;

[6]kakho lapha, ngokuba uvukile njengokusho kwakhe; zanini nibone indawo lapho ebelele khona.

[7] Hambani masinyane, nitshele abafundi bakhe ukuthi uvukile kwabafileyo; bhekani, uyanandulela ukuya eGalile, nizakumbona khona. Bhekani, nginitshelile.

[8]Base beshesha bamuka ethuneni benokwesaba nokuthokoza okukhulu, bagijima baya ukubikela abafundi bakhe.

9 E eis que Jesus veio ao encontro delas e disse: Salve! E elas, aproximando-se, abraçaram-lhe os pés e o adoraram.

10 Então, Jesus lhes disse: Não temais! Ide avisar a meus irmãos que se dirijam à Galiléia e lá me verão.

Os judeus subornam os guardas

11 E, indo elas, eis que alguns da guarda foram à cidade e contaram aos principais sacerdotes tudo o que sucedera.

12 Reunindo-se eles em conselho com os anciãos, deram grande soma de dinheiro aos soldados,

13 recomendando-lhes que dissessem: Vieram de noite os discípulos dele e o roubaram enquanto dormíamos.

14 Caso isto chegue ao conhecimento do governador, nós o persuadiremos e vos poremos em segurança.

15 Eles, recebendo o dinheiro, fizeram como estavam instruídos. Esta versão divulgou-se entre os judeus até ao dia de hoje.

Jesus aparece aos discípulos na Galileia

16 Seguiram os onze discípulos para a Galiléia, para o monte que Jesus lhes designara.

17 E, quando o viram, o adoraram; mas alguns duvidaram.

A Grande Comissão

Marcos 16.15-18; Lucas 24.44-49

18 Jesus, aproximando-se, falou-lhes, dizendo: Toda a autoridade me foi dada no céu e na terra.

9 Bheka, uJesu wabahlangabeza, wathi: Sanibona. Besondela babamba izinyawo zakhe, bakhuleka kuye.

10 Khona uJesu wathi kubo: Ningesabi; hambani, nibikele abafowethu ukuba bahambe baye eGalile; bayakungibona khona.

11Besahamba, bheka, abanye kubalindi bafika emzini, babikela abapristi abakhulu konke okwenzekileyo.

12 Sebebuthene namalunga benza icebo, banika amabutho imali eningi,

13bathi: Shonini ukuthi abafundi bakhe beza ebusuku, bameba silele.

14Uma kuzwakala lokho kumbusi, siyakuncengana naye thina, nina ningakhathazeki.

15Ayeseyithatha imali, enza njengokufundiswa kwawo. Leli zwi landa phakathi kwabaJuda kuze kube namuhla.

Isiyalezo sokugcina sikaJesu

(Mark. 16:14; Luk. 24:44)

16Kepha abafundi abayishumi nanye baya eGalile kuleyo ntaba uJesu ayebayalele yona;

17sebembona bakhuleka kuye, kepha abanye bangabaza.

18 UJesu wasondela, wakhuluma kubo, wathi: Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni;

[19] Ide, portanto, fazei discípulos de todas as nações, batizando-os em nome do Pai, e do Filho, e do Espírito Santo;
[20] ensinando-os a guardar todas as coisas que vos tenho ordenado. E eis que estou convosco todos os dias até à consumação do século.

[19] ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele,
[20] nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.

O evangelho segundo Marcos

Marcos 1

[1] Princípio do evangelho de Jesus Cristo, Filho de Deus.

João Batista
Mateus 3.1-6; Lucas 3.1-6

[2] Conforme está escrito na profecia de Isaías: Eis aí envio diante da tua face o meu mensageiro, o qual preparará o teu caminho;

[3] voz do que clama no deserto: Preparai o caminho do SENHOR, endireitai as suas veredas;

[4] apareceu João Batista no deserto, pregando batismo de arrependimento para remissão de pecados.

[5] Saíam a ter com ele toda a província da Judéia e todos os habitantes de Jerusalém; e, confessando os seus pecados, eram batizados por ele no rio Jordão.

[6] As vestes de João eram feitas de pêlos de camelo; ele trazia um cinto de couro e se alimentava de gafanhotos e mel silvestre.

João dá testemunho de Jesus
Mateus 3.11-12; Lucas 3.15-17; João 1.19-28

[7] E pregava, dizendo: Após mim vem aquele que é mais poderoso do que eu, do qual não sou digno de, curvando-me, desatar-lhe as correias das sandálias.

[8] Eu vos tenho batizado com água; ele, porém, vos batizará com o Espírito Santo.

NgokukaMarku

NgokukaMarku 1

Ukufika kukaJesu Kristu kuyamenyezelwa nguJohane uMbhapathizi
(Math. 3:1; Luk. 3:1; Joh. 1:6, 19)

[1]Ukuqala kwevangeli likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

[2]Njengokulotshwe kumprofethi u-Isaya ukuthi: Bheka, ngiyasithuma isithunywa sami phambi kwakho esiyakulungisa indlela yakho, --

[3] izwi lomemezayo ehlane, lithi: Lungisani indlela yeNkosi, nenze imikhondo yayo iqonde,

[4]kwavela uJohane ebhapathiza ehlane, eshumayela umbhapathizo wokuphenduka, kube ngukuthethelelwa kwezono.

[5]Kwaphumela kuye izwe lonke laseJudiya nabo bonke abaseJerusalema, babhapathizwa nguye emfuleni iJordani, bevuma izono zabo.

[6]UJohane wayembethe eyoboya bekamela, enoqhotho lwesikhumba okhalweni lwakhe, edla izinkumbi nezinyosi zasendle.

[7] Washumayela wathi: Emva kwami kuyeza onamandla kunami, engingafanele ukuba ngikhothame ngithukulule umchilo wezicathulo zakhe.

[8] Mina nginibhapathize ngamanzi, kepha yena uzakunibhapathiza ngoMoya oNgcwele.

O batismo de Jesus
Mateus 3.13-17; Lucas 3.21-22; João 1.32-34

[9] Naqueles dias, veio Jesus de Nazaré da Galiléia e por João foi batizado no rio Jordão.

[10] Logo ao sair da água, viu os céus rasgarem-se e o Espírito descendo como pomba sobre ele.

[11] Então, foi ouvida uma voz dos céus: Tu és o meu Filho amado, em ti me comprazo.

A tentação de Jesus
Mateus 4.1-11; Lucas 4.1-13

[12] E logo o Espírito o impeliu para o deserto,

[13] onde permaneceu quarenta dias, sendo tentado por Satanás; estava com as feras, mas os anjos o serviam.

Jesus volta para a Galileia
Mateus 4.12-17; Lucas 4.14-15

[14] Depois de João ter sido preso, foi Jesus para a Galiléia, pregando o evangelho de Deus,

[15] dizendo: O tempo está cumprido, e o reino de Deus está próximo; arrependei-vos e crede no evangelho.

A vocação de discípulos
Mateus 4.18-22; Lucas 5.1-11

[16] Caminhando junto ao mar da Galiléia, viu os irmãos Simão e André, que lançavam a rede ao mar, porque eram pescadores.

[17] Disse-lhes Jesus: Vinde após mim, e eu vos farei pescadores de homens.

[18] Então, eles deixaram imediatamente as redes e o seguiram.

Ukubhapathizwa kukaJesu. Ulingwa nguSathane
(Math. 3:13; Luk. 3:21; Math. 4:1; Luk. 4:1)

[9]Kwathi ngaleyo mihla kwafika uJesu evela eNazaretha laseGalile, wabhapathizwa nguJohane eJordani.

[10] Wanele ukukhuphuka emanzini, wabona izulu livuleka, noMoya ehlela phezu kwakhe njengejuba.

[11] Kwavela izwi ezulwini, lithi: Wena uyiNdodana yami ethandekayo; ngithokozile ngawe.

[12]Masinyane uMoya wayesemqhubela ehlane.

[13]Wayekhona ehlane izinsuku ezingamashumi amane elingwa nguSathane; wayendawonye nezilwane; izingelosi zamkhonza.

Ukubizwa kwabafundi
(Math. 4:12; Luk. 5:1)

[14]Emva kokuboshwa kukaJohane uJesu wafika eGalile eshumayela ivangeli likaNkulunkulu,

[15]wathi: Isikhathi sigcwalisekile, umbuso kaNkulunkulu ususondele; phendukani, nikholwe yivangeli.

[16]Kwathi edlula ngaselwandle lwaseGalile, wabona oSimoni no-Andreya umfowabo kaSimoni bephonsa inetha elwandle, ngokuba babe ngabadobi.

[17]UJesu wayesethi kubo: Ngilandeleni; ngiyakunenza nibe ngabadobi babantu.

[18]Base bewashiya masinyane amanetha, bamlandela.

[19] Pouco mais adiante, viu Tiago, filho de Zebedeu, e João, seu irmão, que estavam no barco consertando as redes.

[20] E logo os chamou. Deixando eles no barco a seu pai Zebedeu com os empregados, seguiram após Jesus.

A cura de um endemoninhado em Cafarnaum

Lucas 4.31-37

[21] Depois, entraram em Cafarnaum, e, logo no sábado, foi ele ensinar na sinagoga.

[22] Maravilhavam-se da sua doutrina, porque os ensinava como quem tem autoridade e não como os escribas.

[23] Não tardou que aparecesse na sinagoga um homem possesso de espírito imundo, o qual bradou:

[24] Que temos nós contigo, Jesus Nazareno? Vieste para perder-nos? Bem sei quem és: o Santo de Deus!

[25] Mas Jesus o repreendeu, dizendo: Cala-te e sai desse homem.

[26] Então, o espírito imundo, agitando-o violentamente e bradando em alta voz, saiu dele.

[27] Todos se admiraram, a ponto de perguntarem entre si: Que vem a ser isto? Uma nova doutrina! Com autoridade ele ordena aos espíritos imundos, e eles lhe obedecem!

[28] Então, correu célere a fama de Jesus em todas as direções, por toda a circunvizinhança da Galiléia.

A cura da sogra de Pedro

[19]Eseqhubekile ingcosana wabona uJakobe kaZebedewu noJohane umfowabo besemkhunjini, belungisa amanetha.

[20]Wababiza masinyane; base bemshiya uyise uZebedewu emkhunjini kanye nezisebenzi, bamlandela.

[21] Bangena eKapernawume. Kwathi masinyane ngesabatha wangena esinagogeni, wafundisa.

[22] Bamangala ngokufundisa kwakhe; ngokuba wabafundisa njengonamandla, kungenjengababhali.

Ukuphulukiswa kweziguli

(Math. 8:14; Luk. 4:31)

[23]Kwakukhona-ke esinagogeni umuntu onomoya ongcolileyo, wamemeza,

[24] wathi: Sinamsebenzi muni nawe Jesu waseNazaretha? Uze ukusibhubhisa na? Ngiyakwazi ukuba ungubani -- ungoNgcwele kaNkulunkulu.

[25]UJesu wamkhuza wathi: Thula, uphume kuye!

[26]Umoya ongcolileyo wamhlukumeza, wakhala ngezwi elikhulu, waphuma kuye.

[27]Bethuka bonke, babuzana bodwa, bathi: Kuyini lokhu? Yisifundiso esisha esinamandla; nawomoya abangcolileyo uyabayala, bamlalele.

[28]Udumo lwakhe lwase lwanda masinyane kuso sonke isifunda saseGalile.

Mateus 8.14-15; Lucas 4.38-39

[29] E, saindo eles da sinagoga, foram, com Tiago e João, diretamente para a casa de Simão e André.

[29] Sebephume esinagogeni bangena masinyane endlini kaSimoni no-Andreya, benoJakobe noJohane.

[30] A sogra de Simão achava-se acamada, com febre; e logo lhe falaram a respeito dela.

[30]Umkhwekazi kaSimoni wayelele enomkhuhlane; bashesha bamtshela ngaye.

[31] Então, aproximando-se, tomou-a pela mão; e a febre a deixou, passando ela a servi-los.

[31]Waya kuye, wamlulamisa embamba ngesandla; umkhuhlane wamyeka, wabakhonza.

Muitas outras curas

Mateus 8.16-17; Lucas 4.40-41

[32] À tarde, ao cair do sol, trouxeram a Jesus todos os enfermos e endemoninhados.

[32]Kwathi ukuba kuhlwe, selishonile ilanga, baletha kuye bonke abagulayo nabakhwelwe ngamademoni.

[33] Toda a cidade estava reunida à porta.

[33]Umuzi wonke wawubuthene ngasemnyango.

[34] E ele curou muitos doentes de toda sorte de enfermidades; também expeliu muitos demônios, não lhes permitindo que falassem, porque sabiam quem ele era.

[34] Waphulukisa abaningi abaphethwe yizifo ngezifo, wakhipha amademoni amaningi, wayengawavumeli amademoni ukukhuluma, ngokuba ayemazi.

Jesus se retira para orar

Lucas 4.42-44

[35] Tendo-se levantado alta madrugada, saiu, foi para um lugar deserto e ali orava.

[35]Ekuseni kusemnyama kakhulu, wavuka waphuma, waya endaweni eyihlane, wakhuleka khona.

[36] Procuravam-no diligentemente Simão e os que com ele estavam.

[36]USimoni nababe naye bamlandela ngokuphuthuma.

[37] Tendo-o encontrado, lhe disseram: Todos te buscam.

[37]Sebemfumene bathi kuye: Bonke bayakufuna.

[38] Jesus, porém, lhes disse: Vamos a outros lugares, às povoações vizinhas, a fim de que eu pregue também ali, pois para isso é que eu vim.

[38]Wathi kubo: Masiye kwezinye izindawo emizaneni eseduze ukuba ngishumayele nakhona; ngokuba ngiphumele khona lokho.

[39] Então, foi por toda a Galiléia, pregando nas sinagogas deles e expelindo os demônios.

[39]Wahamba eshumayela emasinagogeni abo kulo lonke iGalile, ekhipha amademoni.

A cura de um leproso

Mateus 8.1-4; Lucas 5.12-16

[40] Aproximou-se dele um leproso rogando-lhe, de joelhos: Se quiseres, podes purificar-me.

[41] Jesus, profundamente compadecido, estendeu a mão, tocou-o e disse-lhe: Quero, fica limpo!

[42] No mesmo instante, lhe desapareceu a lepra, e ficou limpo.

[43] Fazendo-lhe, então, veemente advertência, logo o despediu

[44] e lhe disse: Olha, não digas nada a ninguém; mas vai, mostra-te ao sacerdote e oferece pela tua purificação o que Moisés determinou, para servir de testemunho ao povo.

[45] Mas, tendo ele saído, entrou a propalar muitas coisas e a divulgar a notícia, a ponto de não mais poder Jesus entrar publicamente em qualquer cidade, mas permanecia fora, em lugares ermos; e de toda parte vinham ter com ele.

Marcos 2

A cura de um paralítico em Cafarnaum

Mateus 9.1-8; Lucas 5.17-26

[1] Dias depois, entrou Jesus de novo em Cafarnaum, e logo correu que ele estava em casa.

[2] Muitos afluíram para ali, tantos que nem mesmo junto à porta eles achavam lugar; e anunciava-lhes a palavra.

[3] Alguns foram ter com ele, conduzindo um paralítico, levado por quatro homens.

UJesu uphilisa umuntu onochoko

(Math. 8:1; Luk. 5:12)

[40] Kwafika kuye onochoko, wamncenga eguqa ngamadolo, ethi kuye: Uma uthanda, ungangihlambulula.

[41]UJesu wamhawukela, welula isandla, wamphatha, wathi kuye: Ngiyathanda; hlambuluka.

[42]Lwasuka masinyane uchoko kuye, wahlambuluka.

[43] Esemyalisisile washesha wammukisa,

[44] wathi kuye: Bheka, ungasho lutho kumuntu, kepha hamba uzibonakalise kumpristi, unikele ngokuhlanjululwa kwakho lokho okwayalelwa nguMose, kube ngubufakazi kubo.

[45]Kepha yena esephumile waqala ukuyandisa kakhulu nokuyidumisa le ndaba, ngangokuba uJesu wayengasenakungena emzini obala; wayesehlala ngaphandle ezindaweni eziyihlane; beza kuye bevela nxazonke.

NgokukaMarku 2

UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi. Ukubizwa kukaLevi

(Math. 9:1; Luk. 5:17)

[1]Wabuye wangena eKapernawume emva kwezinsuku ezithile; kwezwakala ukuthi usendlini.

[2]Kwase kubuthana abaningi, akwabe kusabakho ndawo nangasemnyango; wakhuluma izwi kubo.

[3]Beza kuye bethwele umuntu ofe uhlangothi, ephethwe ngabantu abane.

[4] E, não podendo aproximar-se dele, por causa da multidão, descobriram o eirado no ponto correspondente ao em que ele estava e, fazendo uma abertura, baixaram o leito em que jazia o doente.

[4]Bengenakusondela kuye ngenxa yesixuku baqaqa uphahla lapho ekhona, bathi sebebhobozile behlisa uhlaka alele kulo ofe uhlangothi.

[5] Vendo-lhes a fé, Jesus disse ao paralítico: Filho, os teus pecados estão perdoados.

[5]UJesu ebona ukukholwa kwabo wathi kofe uhlangothi: Ndodana, uthethelelwe izono zakho.

[6] Mas alguns dos escribas estavam assentados ali e arrazoavam em seu coração:

[6]Kepha kwakukhona ababhali abathile behlezi khona, bezindla ezinhliziyweni zabo ngokuthi:

[7] Por que fala ele deste modo? Isto é blasfêmia! Quem pode perdoar pecados, senão um, que é Deus?

[7] Lo ukhulumelani kanje na? Uyahlambalaza. Ngubani ongathethelela izono, kungeyena uNkulunkulu yedwa na?

[8] E Jesus, percebendo logo por seu espírito que eles assim arrazoavam, disse-lhes: Por que arrazoais sobre estas coisas em vosso coração?

[8]UJesu ekwazi masinyane emoyeni wakhe ukuthi bazindla kanjalo phakathi kwabo, wathi kubo: Nizindlelani ngalokhu ezinhliziyweni zenu na?

[9] Qual é mais fácil? Dizer ao paralítico: Estão perdoados os teus pecados, ou dizer: Levanta-te, toma o teu leito e anda?

[9]Yikuphi okulula ukuthi kofe uhlangothi: Uthethelelwe izono zakho, noma ukuthi: Vuka, uthathe uhlaka lwakho, uhambe, na?

[10] Ora, para que saibais que o Filho do Homem tem sobre a terra autoridade para perdoar pecados – disse ao paralítico:

[10]Kepha ukuze nazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni okuthethelela izono -- wathi kofe uhlangothi --

[11] Eu te mando: Levanta-te, toma o teu leito e vai para tua casa.

[11] ngithi kuwe: Vuka, uthathe uhlaka lwakho, uye endlini yakho.

[12] Então, ele se levantou e, no mesmo instante, tomando o leito, retirou-se à vista de todos, a ponto de se admirarem todos e darem glória a Deus, dizendo: Jamais vimos coisa assim!

[12]Wayesevuka, wathatha masinyane uhlaka lwakhe, waphuma phambi kwabo bonke, baze bamangala bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bathi: Asizange sikubone okunje.

A vocação de Levi

Mateus 9.9; Lucas 5.27-28

[13] De novo, saiu Jesus para junto do mar, e toda a multidão vinha ao seu encontro, e ele os ensinava.

[14] Quando ia passando, viu a Levi, filho de Alfeu, sentado na coletoria e disse-lhe: Segue-me! Ele se levantou e o seguiu.

Jesus come com pecadores

Mateus 9.10-13; Lucas 5.29-32

[15] Achando-se Jesus à mesa na casa de Levi, estavam juntamente com ele e com seus discípulos muitos publicanos e pecadores; porque estes eram em grande número e também o seguiam.

[16] Os escribas dos fariseus, vendo-o comer em companhia dos pecadores e publicanos, perguntavam aos discípulos dele: Por que come [e bebe] ele com os publicanos e pecadores?

[17] Tendo Jesus ouvido isto, respondeu-lhes: Os sãos não precisam de médico, e sim os doentes; não vim chamar justos, e sim pecadores.

Do jejum

Mateus 9.14-17; Lucas 5.33-39

[18] Ora, os discípulos de João e os fariseus estavam jejuando. Vieram alguns e lhe perguntaram: Por que motivo jejuam os discípulos de João e os dos fariseus, mas os teus discípulos não jejuam?

[19] Respondeu-lhes Jesus: Podem, porventura, jejuar os convidados para o casamento, enquanto o noivo está com eles? Durante o tempo em que estiver presente o noivo, não podem jejuar.

[20] Dias virão, contudo, em que lhes será tirado o noivo; e, nesse tempo, jejuarão.

[13]Waphuma futhi, waya ngaselwandle; isixuku sonke sabantu seza kuye, wabafundisa.

[14]Wathi edlula, wambona uLevi ka-Alfewu ehlezi endaweni yokuthela, wathi kuye: Ngilandele. Wasuka-ke, wamlandela.

[15]Kwathi ehlezi ekudleni endlini yakhe, abathelisi abaningi nezoni bahlala noJesu nabafundi bakhe; ngokuba babe baningi, bamlandela.

[16]Khona ababhali babaFarisi bembona edla nezoni nabathelisi bathi kubafundi bakhe: Yini ukuba adle nabathelisi nezoni na?

[17] UJesu ekuzwa lokho wathi kubo: Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa; kangizelanga ukubiza abalungileyo kodwa izoni.

Ukuzila ukudla

(Math. 9:14; 12:1; Luk. 5:33)

[18]Abafundi bakaJohane nabaFarisi babezila ukudla; beza bathi kuye: Yini ukuba abafundi bakaJohane nabafundi babaFarisi bazile ukudla, kodwa abafundi bakho bangazili na?

[19]UJesu wathi kubo: Abayeni bangazila yini, umyeni esenabo na? Bese naye umyeni bangezile.

[20]Kodwa zizakufika izinsuku, lapho umyeni ezakususwa kubo; yikhona-ke bezakuzila ngalolo suku.

[21] Ninguém costura remendo de pano novo em veste velha; porque o remendo novo tira parte da veste velha, e fica maior a rotura.

[22] Ninguém põe vinho novo em odres velhos; do contrário, o vinho romperá os odres; e tanto se perde o vinho como os odres. Mas põe-se vinho novo em odres novos.

Jesus é senhor do sábado
Mateus 12.1-8; Lucas 6.1-5

[23] Ora, aconteceu atravessar Jesus, em dia de sábado, as searas, e os discípulos, ao passarem, colhiam espigas.

[24] Advertiram-no os fariseus: Vê! Por que fazem o que não é lícito aos sábados?

[25] Mas ele lhes respondeu: Nunca lestes o que fez Davi, quando se viu em necessidade e teve fome, ele e os seus companheiros?

[26] Como entrou na Casa de Deus, no tempo do sumo sacerdote Abiatar, e comeu os pães da proposição, os quais não é lícito comer, senão aos sacerdotes, e deu também aos que estavam com ele?

[27] E acrescentou: O sábado foi estabelecido por causa do homem, e não o homem por causa do sábado;

[28] de sorte que o Filho do Homem é senhor também do sábado.

Marcos 3

O homem da mão ressequida
Mateus 12.9-14; Lucas 6.6-11

[21]Akakho othungela isiziba esingakashukeki engutsheni endala, funa okusha okubekelwayo kuklebhule kwendala, kwande ukuklebhuka.

[22]Futhi akakho othela iwayini elisha ezimvabeni ezindala, funa iwayini liqhumise izimvaba, lichitheke iwayini, nezimvaba zonakale; kodwa iwayini elisha lithelwa ezimvabeni ezintsha.

UJesu uchachisa umyalelo wesabatha
(Math. 12:1; Luk. 6:1)

[23]Kwathi edabula amasimu ngesabatha, abafundi bakhe baqala ukukha izikhwebu behamba.

[24] Base bethi kuye abaFarisi: Bheka, bakwenzelani ngesabatha okungavunyelwe na?

[25] Wathi kubo: Anizange nifunde yini akwenzayo uDavide mhla eswele, elambile yena nababe naye

[26] ukuthi wangena endlini kaNkulunkulu enkathini ka-Abiyathara umpristi omkhulu, wadla izinkwa zokubukwa ezingavunyelwe ukudliwa muntu, ngabapristi bodwa, wanika nababe naye, na?

[27]Wayesethi kubo: Isabatha lenzelwa umuntu, umuntu akenzelwanga isabatha.

[28]Ngokunjalo iNdodana yomuntu iyinkosi neyesabatha.

NgokukaMarku 3

UJesu uphilisa ngesabatha
(Math. 12:1; Luk. 6:6)

[1] De novo, entrou Jesus na sinagoga e estava ali um homem que tinha ressequida uma das mãos.

[2] E estavam observando a Jesus para ver se o curaria em dia de sábado, a fim de o acusarem.

[3] E disse Jesus ao homem da mão ressequida: Vem para o meio!

[4] Então, lhes perguntou: É lícito nos sábados fazer o bem ou fazer o mal? Salvar a vida ou tirá-la? Mas eles ficaram em silêncio.

[5] Olhando-os ao redor, indignado e condoído com a dureza do seu coração, disse ao homem: Estende a mão. Estendeu-a, e a mão lhe foi restaurada.

[6] Retirando-se os fariseus, conspiravam logo com os herodianos, contra ele, em como lhe tirariam a vida.

Jesus se retira. A cura de muitos à beira-mar

[7] Retirou-se Jesus com os seus discípulos para os lados do mar. Seguia-o da Galiléia uma grande multidão. Também da Judéia,

[8] de Jerusalém, da Iduméia, dalém do Jordão e dos arredores de Tiro e de Sidom uma grande multidão, sabendo quantas coisas Jesus fazia, veio ter com ele.

[9] Então, recomendou a seus discípulos que sempre lhe tivessem pronto um barquinho, por causa da multidão, a fim de não o comprimirem.

[10] Pois curava a muitos, de modo que todos os que padeciam de qualquer enfermidade se arrojavam a ele para o tocar.

[1]Khona wabuye wangena esinagogeni. Kwakukhona lapho umuntu onesandla esishwabeneyo.

[2]Bamqaphela ukuba uzakumphilisa yini ngesabatha, ukuze bambeke icala.

[3]Wathi kumuntu onesandla esishwabeneyo: Sukuma, ume phakathi.

[4]Wayesethi kubo: Kuvunyelwe ngesabatha ukwenza okuhle noma okubi yini, ukusindisa umuntu noma ukumbulala na? Kepha bathula.

[5]Waqalaza ebabuka ngokuthukuthela, edabukile ngobulukhuni benhliziyo yabo; wayesethi kulowo muntu: Yelula isandla. Waselula, saphiliswa isandla sakhe.

[6] AbaFarisi base bephuma masinyane bacebisana ngaye nabakaHerode ukuthi bangambhubhisa kanjani.

[7]UJesu wasuka kanye nabafundi bakhe, waya ngaselwandle; isixuku esikhulu samlandela sivela eGalile, naseJudiya,

[8] naseJerusalema, nase-Idumiya, nangaphesheya kweJordani, nangaseTire, naseSidoni; isixuku esikhulu sesizwile konke akwenzayo seza kuye.

[9]Wayeseyala abafundi bakhe ukuba isikebhe simlindele ngenxa yesixuku sabantu, ukuze bangamcindezeli,

[10]ngokuba wayephulukisa abaningi, kwaze kwathi bonke abanezifo bawela phezu kwakhe ukuba bamnamathe.

[11] Também os espíritos imundos, quando o viam, prostravam-se diante dele e exclamavam: Tu és o Filho de Deus!

[12] Mas Jesus lhes advertia severamente que o não expusessem à publicidade.

A escolha dos doze apóstolos. Os seus nomes
Mateus 10.1-4; Lucas 6.12-16

[13] Depois, subiu ao monte e chamou os que ele mesmo quis, e vieram para junto dele.

[14] Então, designou doze para estarem com ele e para os enviar a pregar

[15] e a exercer a autoridade de expelir demônios.

[16] Eis os doze que designou: Simão, a quem acrescentou o nome de Pedro;

[17] Tiago, filho de Zebedeu, e João, seu irmão, aos quais deu o nome de Boanerges, que quer dizer: filhos do trovão;

[18] André, Filipe, Bartolomeu, Mateus, Tomé, Tiago, filho de Alfeu, Tadeu, Simão, o Zelote,

[19] e Judas Iscariotes, que foi quem o traiu.

A blasfêmia dos escribas
Mateus 12.22-32; Lucas 11.14-23

[20] Então, ele foi para casa. Não obstante, a multidão afluiu de novo, de tal modo que nem podiam comer.

[21] E, quando os parentes de Jesus ouviram isto, saíram para o prender; porque diziam: Está fora de si.

[11] Nawomoya abangcolileyo bathi ukuba bambone, bawa phansi phambi kwakhe, bamemeza bathi: Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.

[12] Wabayalisisa ukuba bangamzwakalisi.

Ukukhethwa kwabaphostoli
(Math. 10:1; Luk. 6:12)

[13]Wayesenyukela entabeni, wabizela kuye abebafuna yena; beza kuye.

[14]Wamisa abayishumi nambili ukuba babe naye nokuba abathume baye kushumayela,

[15]babe namandla okukhipha amademoni.

[16] Wayesemisa laba abayishumi nambili: uSimoni owamqamba igama lokuthi uPetru,

[17] noJakobe kaZebedewu, noJohane umfowabo kaJakobe; laba wabaqamba igama lokuthi oBowanergesi okungukuthi amadodana okuduma;

[18]no-Andreya, noFiliphu, noBartolomewu, noMathewu, noTomase, noJakobe ka-Alfewu, noThadewu, noSimoni umKhanani,

[19]noJuda Iskariyothe owamkhaphelayo.

Isono sokuhlambalaza
(Math. 12:22; Luk. 11:14)

[20]Wayesefika ekhaya; isixuku sabuthana futhi, ababe besaba nathuba lokudla nasinkwa.

[21]Abakubo sebekuzwile baphuma ukuyombamba, ngokuba bathi uyahlanya.

[22] Os escribas, que haviam descido de Jerusalém, diziam: Ele está possesso de Belzebu. E: É pelo maioral dos demônios que expele os demônios.

[23] Então, convocando-os Jesus, lhes disse, por meio de parábolas: Como pode Satanás expelir a Satanás?

[24] Se um reino estiver dividido contra si mesmo, tal reino não pode subsistir;

[25] se uma casa estiver dividida contra si mesma, tal casa não poderá subsistir.

[26] Se, pois, Satanás se levantou contra si mesmo e está dividido, não pode subsistir, mas perece.

[27] Ninguém pode entrar na casa do valente para roubar-lhe os bens, sem primeiro amarrá-lo; e só então lhe saqueará a casa.

[28] Em verdade vos digo que tudo será perdoado aos filhos dos homens: os pecados e as blasfêmias que proferirem.

[29] Mas aquele que blasfemar contra o Espírito Santo não tem perdão para sempre, visto que é réu de pecado eterno.

[30] Isto, porque diziam: Está possesso de um espírito imundo.

A família de Jesus

Mateus 12.46-50; Lucas 8.19-21

[31] Nisto, chegaram sua mãe e seus irmãos e, tendo ficado do lado de fora, mandaram chamá-lo.

[32] Muita gente estava assentada ao redor dele e lhe disseram: Olha, tua mãe, teus irmãos e irmãs estão lá fora à tua procura.

[22]Nababhali abehla bevela eJerusalema bathi: UnoBelzebule, ukhipha amademoni ngombusi wamademoni.

[23]Wayesebabiza, wakhuluma kubo ngemifanekiso, ethi: USathane angakhipha kanjani uSathane na?

[24]Uma umbuso wahlukene wodwa, lowo mbuso ungeme.

[25]Nendlu, uma yahlukene yodwa, leyo ndlu ayizukuma.

[26]NoSathane, uma ezivukela yena, ahlukane, akanakuma, kepha uyaphela.

[27]Yebo, akakho ongangena endlini yesiqhwaga, aphange impahla yaso, uma engabophi kuqala isiqhwaga, andukuba aphange indlu yaso.

[28]Ngiqinisile ngithi kini: Abantwana babantu bayakuthethelelwa izono zonke nokuhlambalaza noma kungakanani abangahlambalaza ngakho,

[29]kepha lowo ohlambalaza uMoya oNgcwele kanakuthethelelwa naphakade, kodwa unecala lesono esingapheliyo.

[30]Ngokuba bathi unomoya ongcolileyo.

Izihlobo eziyizo zikaJesu

(Math. 12:46; Luk. 8:19)

[31]Kwase kufika unina nabafowabo, bema ngaphandle, bathumela kuye bembiza.

[32]Isixuku sabantu sasimphahlile; bathi kuye: Bheka, unyoko nabafowenu nawodadewenu bangaphandle bekufuna.

[33] Então, ele lhes respondeu, dizendo: Quem é minha mãe e meus irmãos?

[34] E, correndo o olhar pelos que estavam assentados ao redor, disse: Eis minha mãe e meus irmãos.

[35] Portanto, qualquer que fizer a vontade de Deus, esse é meu irmão, irmã e mãe.

[33]Wabaphendula wathi: Ngubani umame nabafowethu na?

[34]Waqalaza ebuka ababehlezi bemphahlile, wathi: Bhekani, nangu umame nabafowethu.

[35]Ngokuba owenza intando kaNkulunkulu nguye ongumfowethu nodadewethu nomame.

Marcos 4

A parábola do semeador

Mateus 13.1-9; Lucas 8.4-8

[1] Voltou Jesus a ensinar à beira-mar. E reuniu-se numerosa multidão a ele, de modo que entrou num barco, onde se assentou, afastando-se da praia. E todo o povo estava à beira-mar, na praia.

[2] Assim, lhes ensinava muitas coisas por parábolas, no decorrer do seu doutrinamento.

[3] Ouvi: Eis que saiu o semeador a semear.

[4] E, ao semear, uma parte caiu à beira do caminho, e vieram as aves e a comeram.

[5] Outra caiu em solo rochoso, onde a terra era pouca, e logo nasceu, visto não ser profunda a terra.

[6] Saindo, porém, o sol, a queimou; e, porque não tinha raiz, secou-se.

[7] Outra parte caiu entre os espinhos; e os espinhos cresceram e a sufocaram, e não deu fruto.

NgokukaMarku 4

Umfanekiso womhlwanyeli nowembewu ezimilelayo noweyesinaphi

(Math. 13:1; Luk. 8:4; 13:18)

[1]Khona wabuye waqala ukufundisa ngaselwandle. Kwabuthana kuye isixuku esikhulu kakhulu, waze wangena emkhunjini, wahlala elwandle; isixuku sonke sasisemhlabathini ngaselwandle.

[2]Wabafundisa okuningi ngemifanekiso; wathi kubo ekufundiseni kwakhe:

[3] Lalelani; bhekani, kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela.

[4]Kwathi ekuhlwanyeleni kwakhe enye imbewu yawela ngasendleleni; kwafika izinyoni, zayidla zayiqeda.

[5]Enye yawela edwaleni, lapho yayingenamhlabathi omningi khona; yamila masinyane, ngokuba ingenamhlabathi ojulileyo.

[6]Kwathi ukuba liphume ilanga, yahamuka; nangokuba ingenampande, yabuna.

[7]Enye yawela emeveni; ameva akhula, ayiminyanisa, ayaze yathela isithelo.

[8] Outra, enfim, caiu em boa terra e deu fruto, que vingou e cresceu, produzindo a trinta, a sessenta e a cem por um.

[8]Enye yawela emhlabathini omuhle; yahluma, yakhula, yathela isithelo, yaveza ngamashumi amathathu, nangamashumi ayisithupha, nangekhulu.

[9] E acrescentou: Quem tem ouvidos para ouvir, ouça.

[9]Wayesethi: Onezindlebe zokuzwa makezwe.

A explicação da parábola

Mateus 13.10-23; Lucas 8.9-15

[10] Quando Jesus ficou só, os que estavam junto dele com os doze o interrogaram a respeito das parábolas.

[10]Lapho esengasesitha, ababe naye kanye nabayishumi nambili bambuza ngale mifanekiso.

[11] Ele lhes respondeu: A vós outros vos é dado conhecer o mistério do reino de Deus; mas, aos de fora, tudo se ensina por meio de parábolas,

[11]Wathi kubo: Nina niphiwe imfihlakalo yombuso kaNkulunkulu, kodwa abangaphandle benzelwa konke ngemifanekiso,

[12] para que, vendo, vejam e não percebam; e, ouvindo, ouçam e não entendam; para que não venham a converter-se, e haja perdão para eles.

[12] ukuze ngokubona babone, bangabonisisi, nangokuzwa bezwe, bangaqondi, funa baphenduke, bathethelelwe.

[13] Então, lhes perguntou: Não entendeis esta parábola e como compreendereis todas as parábolas?

[13]Wayesethi kubo: Aniwazi lo mfanekiso; pho, niyakuyazi kanjani yonke imifanekiso na?

[14] O semeador semeia a palavra.

[14]Umhlwanyeli uhlwanyela izwi.

[15] São estes os da beira do caminho, onde a palavra é semeada; e, enquanto a ouvem, logo vem Satanás e tira a palavra semeada neles.

[15]Abangasendleleni yilabo abathi lapho kuhlwanyelwa khona izwi, nanxa sebelizwile, kufike masinyane uSathane, alisuse izwi elihlwanyelwe kubo.

[16] Semelhantemente, são estes os semeados em solo rochoso, os quais, ouvindo a palavra, logo a recebem com alegria.

[16]Kanjalo abahlwanyelwe edwaleni yilabo abathi sebelizwile izwi, balamukele masinyane ngokuthokoza;

[17] Mas eles não têm raiz em si mesmos, sendo, antes, de pouca duração; em lhes chegando a angústia ou a perseguição por causa da palavra, logo se escandalizam.

[17]kepha kabanampande phakathi kwabo, kodwa bahlala isikhashana nje, kuthi sekuvele ukuhlupheka nokuzingelwa ngenxa yezwi, bakhubeke masinyane.

[18] Os outros, os semeados entre os espinhos, são os que ouvem a palavra,

[18]Abanye bangabahlwanyelwe emeveni; yibo abalizwile izwi,

[19] mas os cuidados do mundo, a fascinação da riqueza e as demais ambições, concorrendo, sufocam a palavra, ficando ela infrutífera.

[19] kepha iminako yalesi sikhathi, nokukhohlisa kwengcebo, nokunxanela ezinye izinto kungena kuliminyanise izwi, libe ngelingatheliyo.

[20] Os que foram semeados em boa terra são aqueles que ouvem a palavra e a recebem, frutificando a trinta, a sessenta e a cem por um.

[20]Nabahlwanyelwe emhlabathini omuhle yilabo abalizwa izwi, balamukele, bathele isithelo ngamashumi amathathu, nangamashumi ayisithupha, nangekhulu.

A parábola da candeia

Lucas 8.16-18

[21] Também lhes disse: Vem, porventura, a candeia para ser posta debaixo do alqueire ou da cama? Não vem, antes, para ser colocada no velador?

[21]Wayesethi kubo: Imbala isibani siza ukuba sibekwe phansi kwesitsha nokuba phansi kombhede yini, singabekwa othini, na?

[22] Pois nada está oculto, senão para ser manifesto; e nada se faz escondido, senão para ser revelado.

[22]Ngokuba akukho okusithekileyo okungayikuhlalukiswa; akukho okuyisifuba okungayikuba sobala.

[23] Se alguém tem ouvidos para ouvir, ouça.

[23]Uma ekhona onezindlebe zokuzwa, makezwe.

[24] Então, lhes disse: Atentai no que ouvis. Com a medida com que tiverdes medido vos medirão também, e ainda se vos acrescentará.

[24]Wayesethi kubo: Qaphelani enikuzwayo; ngaleso silinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso, nenezelwe nina.

[25] Pois ao que tem se lhe dará; e, ao que não tem, até o que tem lhe será tirado.

[25]Ngokuba onakho uyakuphiwa; kepha ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho.

A parábola da semente

[26] Disse ainda: O reino de Deus é assim como se um homem lançasse a semente à terra;

[26]Wayesethi: Unjalo umbuso kaNkulunkulu; unjengokuba umuntu ephonsa imbewu emhlabathini,

[27] depois, dormisse e se levantasse, de noite e de dia, e a semente germinasse e crescesse, não sabendo ele como.

[27]alale, avuke ubusuku nemini, imibewu imile, ikhule, engazi ukuthi kanjani.

[28] A terra por si mesma frutifica: primeiro a erva, depois, a espiga, e, por fim, o grão cheio na espiga.

[28]Umhlabathi uthela isithelo ngokwawo, kuqala ikhaba, khona isikhwebu, besekuba yizinhlamvu ezipheleleyo esikhwetshini.

[29] E, quando o fruto já está maduro, logo se lhe mete a foice, porque é chegada a ceifa.

[29]Nxa sesivuthiwe isithelo, afake masinyane isikela, ngokuba ukuvuna sekufikile.

A parábola do grão de mostarda
Mateus 13.31-32; Lucas 13.18-19

[30] Disse mais: A que assemelharemos o reino de Deus? Ou com que parábola o apresentaremos?

[30]Wathi futhi: Siyakuwufanisa nani umbuso kaNkulunkulu? Siyakuwuchaza ngamfanekiso muni na?

[31] É como um grão de mostarda, que, quando semeado, é a menor de todas as sementes sobre a terra;

[31]Unjengenhlamvu yesinaphi ethi, nxa ihlwanyelwe emhlabathini, incinyane kunazo zonke izimbewu ezisemhlabeni,

[32] mas, uma vez semeada, cresce e se torna maior do que todas as hortaliças e deita grandes ramos, a ponto de as aves do céu poderem aninhar-se à sua sombra.

[32]kodwa nxa isihlwanyelwe imila ibe nkulu kunazo zonke izilimo, ixhante amagatsha amakhulu, ukuze izinyoni zezulu zakhele emthunzini wawo.

Por que Jesus falou por parábolas
Mateus 13.34-35

[33] E com muitas parábolas semelhantes lhes expunha a palavra, conforme o permitia a capacidade dos ouvintes.

[33]Walikhuluma izwi kubo ngemifanekiso eminingi enjalo njengamandla abo okuzwa;

[34] E sem parábolas não lhes falava; tudo, porém, explicava em particular aos seus próprios discípulos.

[34]kodwa ngaphandle komfanekiso kakhulumanga kubo; kepha sebebodwa wabachasisela abafundi bakhe konke.

Jesus acalma uma tempestade
Mateus 8.23-27; Lucas 8.22-25

Ukuthuliswa kwesivunguvungu
(Math. 8:23; Luk. 8:22)

[35] Naquele dia, sendo já tarde, disse-lhes Jesus: Passemos para a outra margem.

[35]Ngalolo suku sekuhlwile, wathi kubo: Asiwele siye ngaphesheya.

[36] E eles, despedindo a multidão, o levaram assim como estava, no barco; e outros barcos o seguiam.

[36]Base bemukisa isixuku, bahamba naye, njengalokho ebesemkhunjini; kwakukhona neminye imikhumbi ihambisana naye.

[37] Ora, levantou-se grande temporal de vento, e as ondas se arremessavam contra o barco, de modo que o mesmo já estava a encher-se de água.

[37]Kwase kuvuka isivunguvungu esikhulu somoya, amaza aphonseka phakathi emkhunjini, umkhumbi waze waqala ukugcwala.

[38] E Jesus estava na popa, dormindo sobre o travesseiro; eles o despertaram e lhe

[38]Kepha yena wayengasemuva emkhunjini elele esicamelweni; bamvusa, bathi kuye: Mfundisi, awunaki, nakuba sibhubha, na?

disseram: Mestre, não te importa que pereçamos?

39 E ele, despertando, repreendeu o vento e disse ao mar: Acalma-te, emudece! O vento se aquietou, e fez-se grande bonança.

40 Então, lhes disse: Por que sois assim tímidos?! Como é que não tendes fé?

41 E eles, possuídos de grande temor, diziam uns aos outros: Quem é este que até o vento e o mar lhe obedecem?

39Wayesevuka, wakhuza umoya, wathi kulo ulwandle: Thula, uthi du. Kwanqamuka umoya, kwaba khona ukuthula okukhulu.

40Wathi kubo: Yini ukuba nesabe kangaka na? Yini ukuba ningabi nakukholwa na?

41Besaba ngokwesaba okukhulu, bathi omunye komunye: Kanti lo ungubani, lokhu nomoya nolwandle kuyamlalela?

Marcos 5

A cura do endemoninhado geraseno

Mateus 8.28-33; Lucas 8.26-34

1 Entrementes, chegaram à outra margem do mar, à terra dos gerasenos.

2 Ao desembarcar, logo veio dos sepulcros, ao seu encontro, um homem possesso de espírito imundo,

3 o qual vivia nos sepulcros, e nem mesmo com cadeias alguém podia prendê-lo;

4 porque, tendo sido muitas vezes preso com grilhões e cadeias, as cadeias foram quebradas por ele, e os grilhões, despedaçados. E ninguém podia subjugá-lo.

5 Andava sempre, de noite e de dia, clamando por entre os sepulcros e pelos montes, ferindo-se com pedras.

6 Quando, de longe, viu Jesus, correu e o adorou,

7 exclamando com alta voz: Que tenho eu contigo, Jesus, Filho do Deus Altíssimo? Conjuro-te por Deus que não me atormentes!

NgokukaMarku 5

Ukukhishwa kwamademoni

(Math. 8:28; Luk. 8:26)

1Base befika phesheya kolwandle ezweni lamaGerasa.

2Esephume emkhunjini, kwahlangana naye masinyane umuntu ovela emathuneni, enomoya ongcolileyo.

3Wayehlala emathuneni, kungasekho muntu ongambopha nangeketanga;

4ngokuba wayeseboshwe kaningi ngawozankosi nangamaketanga, kepha amaketanga ayegqashuliwe nguye nawozankosi babephuliwe, kungekho noyedwa owayenamandla okumthambisa.

5Ngesikhathi sonke ubusuku nemini wayesemathuneni nasezintabeni, ememeza, ezilimaza ngamatshe.

6Wathi ukuba ambone uJesu esekude, wagijima, wakhuleka kuye;

7wayesememeza ngezwi elikhulu, ethi: Nginamsebenzi muni nawe Jesu, Ndodana kaNkulunkulu oPhezukonke?

Ngikufungisa uNkulunkulu, ungangihluphi.

[8] Porque Jesus lhe dissera: Espírito imundo, sai desse homem!

[8]Ngokuba wathi kuye: Phuma kulo muntu, moya ongcolileyo.

[9] E perguntou-lhe: Qual é o teu nome? Respondeu ele: Legião é o meu nome, porque somos muitos.

[9]Wayesembuza ethi: Ngubani igama lakho? Wathi kuye: NginguLegiyona igama lami, ngokuba sibaningi.

[10] E rogou-lhe encarecidamente que os não mandasse para fora do país.

[10]Wamncenga kakhulu ukuba angabamukisi kulelo zwe.

[11] Ora, pastava ali pelo monte uma grande manada de porcos.

[11]Kwakukhona lapho ngasentabeni umhlambi omkhulu wezingulube ziklabile.

[12] E os espíritos imundos rogaram a Jesus, dizendo: Manda-nos para os porcos, para que entremos neles.

[12]Bamncenga bathi: Sithumele ezingulubeni ukuba singene kuzo.

[13] Jesus o permitiu. Então, saindo os espíritos imundos, entraram nos porcos; e a manada, que era cerca de dois mil, precipitou-se despenhadeiro abaixo, para dentro do mar, onde se afogaram.

[13]Wabavumela. Omoya abangcolileyo baphuma, bangena ezingulubeni; umhlambi wagulukudela eweni, waphonseka elwandle kungathi izinkulungwane ezimbili, zaminza elwandle.

[14] Os porqueiros fugiram e o anunciaram na cidade e pelos campos.

Os gerasenos rejeitam a Jesus

Mateus 8.34; Lucas 8.35-39

Então, saiu o povo para ver o que sucedera.

[14]Ababezalusa babaleka, baya babika emzini nasemaphandleni; base beza ukuyobona okwenzekileyo.

[15] Indo ter com Jesus, viram o endemoninhado, o que tivera a legião, assentado, vestido, em perfeito juízo; e temeram.

[15]Bafika kuJesu, bambona obekhwelwe ngamademoni ehlezi embethe, esangulukile, yena owayenelegiyona; base besaba.

[16] Os que haviam presenciado os fatos contaram-lhes o que acontecera ao endemoninhado e acerca dos porcos.

[16]Ababekubonile babatshela ukuthi kwenzeke kanjani kowayekhwelwe ngamademoni, nangezingulube.

[17] E entraram a rogar-lhe que se retirasse da terra deles.

[17]Base beqala ukumncenga ukuba amuke ezweni lakubo.

[18] Ao entrar Jesus no barco, suplicava-lhe o que fora endemoninhado que o deixasse estar com ele.

[19] Jesus, porém, não lho permitiu, mas ordenou-lhe: Vai para tua casa, para os teus. Anuncia-lhes tudo o que o SENHOR te fez e como teve compaixão de ti.

[20] Então, ele foi e começou a proclamar em Decápolis tudo o que Jesus lhe fizera; e todos se admiravam.

O pedido de Jairo

Mateus 9.18-19; Lucas 8.40-42

[21] Tendo Jesus voltado no barco, para o outro lado, afluiu para ele grande multidão; e ele estava junto do mar.

[22] Eis que se chegou a ele um dos principais da sinagoga, chamado Jairo, e, vendo-o, prostrou-se a seus pés

[23] e insistentemente lhe suplicou: Minha filhinha está à morte; vem, impõe as mãos sobre ela, para que seja salva, e viverá.

[24] Jesus foi com ele.

A cura de uma mulher enferma

Mateus 9.20-22; Lucas 8.43-48

Grande multidão o seguia, comprimindo-o.

[25] Aconteceu que certa mulher, que, havia doze anos, vinha sofrendo de uma hemorragia

[26] e muito padecera à mão de vários médicos, tendo despendido tudo quanto possuía, sem, contudo, nada aproveitar, antes, pelo contrário, indo a pior,

[18]Wathi ukuba angene emkhunjini, lowo owayekhwelwe ngamademoni wamncenga ukuba abe naye.

[19]Akamvumelanga, kepha wathi kuye: Hamba uye ekhaya kwabakini, ubabikele ukuthi kungakanani iNkosi ekwenzele khona, yakuhawukela.

[20]Wamuka-ke, waqala ukulanda eDekapholi ngokuthi kungakanani abekwenzile kuye uJesu; bamangala bonke.

Indodakazi kaJayiru ivuswa ekufeni

(Math. 9:18; Luk. 8:40)

[21]Khona uJesu esebuye ewelele ngaphesheya ngomkhumbi, kwabuthana isixuku esikhulu kuye engaselwandle.

[22]Kwase kufika omunye wabaphathi besinagoge, nguJayiru igama lakhe, owathi ukuba ambone, waziphonsa phansi ngasezinyaweni zakhe,

[23]wamncenga kakhulu, wathi: Indodakazi yami isiyalela; ake uze, ubeke izandla phezu kwayo ukuba isindiswe, iphile.

[24]Wahamba naye. Isixuku esikhulu samlandela, samcindezela.

[25]Owesifazane owayenomopho iminyaka eyishumi nambili,

[26]ehluphekile ngokuningi ezinyangeni eziningi, echithile konke ayenakho, engasizakalanga ngalutho, kodwa kwayilokhu kuqhubeka,

[27] tendo ouvido a fama de Jesus, vindo por trás dele, por entre a multidão, tocou-lhe a veste.

[27]esezwile ngoJesu, weza esixukwini ngasemuva, wathinta ingubo yakhe,

[28] Porque, dizia: Se eu apenas lhe tocar as vestes, ficarei curada.

[28]ngokuba wathi: Uma ngingathinta nje izingubo zakhe, ngizakusindiswa.

[29] E logo se lhe estancou a hemorragia, e sentiu no corpo estar curada do seu flagelo.

[29]Kwanqamuka masinyane umthombo wegazi lakhe, wezwa emzimbeni ukuthi uphulukile enhluphekweni yakhe.

[30] Jesus, reconhecendo imediatamente que dele saíra poder, virando-se no meio da multidão, perguntou: Quem me tocou nas vestes?

[30] Wanele ukuzwa uJesu phakathi kwakhe ukuthi amandla aphumile kuye, waphendukela esixukwini, wathi: Ngubani othinte izingubo zami na?

[31] Responderam-lhe seus discípulos: Vês que a multidão te aperta e dizes: Quem me tocou?

[31]Abafundi bakhe bathi kuye: Uyabona isixuku sikucindezela, usuthi: Ngubani ongithintileyo na?

[32] Ele, porém, olhava ao redor para ver quem fizera isto.

[32]Waqalaza ukuba ambone owenzile lokho.

[33] Então, a mulher, atemorizada e tremendo, cônscia do que nela se operara, veio, prostrou-se diante dele e declarou-lhe toda a verdade.

[33]Khona owesifazane esaba ethuthumela, azi okwenzekile kuye, weza waziphonsa phansi phambi kwakhe, wamtshela iqiniso lonke.

[34] E ele lhe disse: Filha, a tua fé te salvou; vai-te em paz e fica livre do teu mal.

[34] Wayesethi kuye: Ndodakazi, ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba ube nokuthula; usuphulukile enhluphekweni yakho.

A ressurreição da filha de Jairo

Mateus 9.23-26; Lucas 8.49-56

[35] Falava ele ainda, quando chegaram alguns da casa do chefe da sinagoga, a quem disseram: Tua filha já morreu; por que ainda incomodas o Mestre?

[35]Esakhuluma, kwafika abomphathi wesinagoge, bathi: Indodakazi yakho isifile; usamkhathazelani uMfundisi na?

[36] Mas Jesus, sem acudir a tais palavras, disse ao chefe da sinagoga: Não temas, crê somente.

[36]Kwathi ukuba uJesu ezwile izwi elishiwoyo, wathi kumphathi wesinagoge: Ungesabi, kholwa kuphela.

[37] Contudo, não permitiu que alguém o acompanhasse, senão Pedro e os irmãos Tiago e João.

[37]Akavumelanga muntu amlandele, kuphela oPetru, noJakobe, noJohane umfowabo kaJakobe.

[38] Chegando à casa do chefe da sinagoga, viu Jesus o alvoroço, os que choravam e os que pranteavam muito.

[38]Bafika-ke endlini yomphathi wesinagoge, wabona isiyaluyalu nabakhalayo nabalila kakhulu.

[39] Ao entrar, lhes disse: Por que estais em alvoroço e chorais? A criança não está morta, mas dorme.

[39]Wangena, wathi kubo: Niyaluzelani, nikhalelani na? Umntwana akafile, kodwa ulele.

[40] E riam-se dele. Tendo ele, porém, mandado sair a todos, tomou o pai e a mãe da criança e os que vieram com ele e entrou onde ela estava.

[40]Bamhleka usulu. Kepha yena wabakhipha bonke, wathatha uyise womntwana nonina kanye nababe naye, wangena lapho kulele khona umntwana.

[41] Tomando-a pela mão, disse: Talitá cumi!, que quer dizer: Menina, eu te mando, levanta-te!

[41]Wabamba umntwana ngesandla, wathi kuye: Thalitha, kumi, okungukuthi ngokuhunyushwa: Ntombazana, ngithi kuwe, vuka!

[42] Imediatamente, a menina se levantou e pôs-se a andar; pois tinha doze anos. Então, ficaram todos sobremaneira admirados.

[42]Yayisivuka masinyane intombazana, yahamba; ngokuba yayineminyaka eyishumi nambili. Khona bamangala ngokumangala okukhulu.

[43] Mas Jesus ordenou-lhes expressamente que ninguém o soubesse; e mandou que dessem de comer à menina.

[43]Wabayalisisa ukuba lokhu kungaziwa muntu; futhi wathi mayiphiwe ukudla.

Marcos 6

Jesus prega em Nazaré. É rejeitado pelos seus
Mateus 13.53-58; Lucas 4.16-30

NgokukaMarku 6

UJesu udelelwa ngabaseNazaretha
(Math. 13:53; Luk. 4:16)

[1] Tendo Jesus partido dali, foi para a sua terra, e os seus discípulos o acompanharam.

[1]Khona wamuka lapho, waya ezweni lakubo; abafundi bakhe bamlandela.

[2] Chegando o sábado, passou a ensinar na sinagoga; e muitos, ouvindo-o, se maravilhavam, dizendo: Donde vêm a este estas coisas? Que sabedoria é esta que lhe

[2]Sekufikile isabatha, waqala ukufundisa esinagogeni. Abaningi abamuzwayo bamangala bathi: Lo ukuthathaphi lokhu na? Ukuhlakanipha kuni akunikiwe lona

foi dada? E como se fazem tais maravilhas por suas mãos?

[3] Não é este o carpinteiro, filho de Maria, irmão de Tiago, José, Judas e Simão? E não vivem aqui entre nós suas irmãs? E escandalizavam-se nele.

[4] Jesus, porém, lhes disse: Não há profeta sem honra, senão na sua terra, entre os seus parentes e na sua casa.

[5] Não pôde fazer ali nenhum milagre, senão curar uns poucos enfermos, impondo-lhes as mãos.

[6] Admirou-se da incredulidade deles. Contudo, percorria as aldeias circunvizinhas, a ensinar.

As instruções para os doze

Mateus 10.5-15; Lucas 9.1-6

[7] Chamou Jesus os doze e passou a enviá-los de dois a dois, dando-lhes autoridade sobre os espíritos imundos.

[8] Ordenou-lhes que nada levassem para o caminho, exceto um bordão; nem pão, nem alforje, nem dinheiro;

[9] que fossem calçados de sandálias e não usassem duas túnicas.

[10] E recomendou-lhes: Quando entrardes nalguma casa, permanecei aí até vos retirardes do lugar.

[11] Se nalgum lugar não vos receberem nem vos ouvirem, ao sairdes dali, sacudi o pó dos pés, em testemunho contra eles.

na? Nemisebenzi yamandla enje yenziwe ngezandla zakhe na?

[3] Lo akusiye umbazi, indodana kaMariya, nomfowabo kaJakobe, noJose, noJuda, noSimoni, na? Nawodadewabo abakho yini lapha kithi na? Base bekhubeka ngaye.

[4] Wayesethi kubo uJesu: Umprofethi kadelelwa ngaphandle kwasezweni lakubo, nasezihlotsheni zakhe, nasendlini yakwabo.

[5]Wayengenakwenza lapho nowodwa umsebenzi wamandla ngaphandle kokuthi wabeka izandla phezu kwabagulayo abayingcosana, wabaphulukisa.

[6] Wamangala ngokungakholwa kwabo. Wahamba imizi ngemizi efundisa.

Ukuthunywa kwabaphostoli

(Math. 10:1; Luk. 9:1)

[7] Wayesebabiza abayishumi nambili, waqala ukubathuma ngababili, wabanika amandla phezu kwawomoya abangcolileyo.

[8]Wabayala ukuba bangaphathi lutho lwendlela, kuphela udondolo lodwa, bangaphathi nasinkwa, nasikhwama, nathusi emixhakeni,

[9]kepha bafake izicathulo, bangembathi kodwa amabhantshi amabili.

[10]Wathi kubo: Nakuphi lapho ningena khona endlini, hlalani kuyo, nize nimuke khona.

[11] Nayiphi indawo engayikunamukela, nalapho bengayikunizwa khona, anothi nimuka kuyo, nivuthulule uthuli oluphansi

kwezinyawo zenu, kube ngubufakazi kubo.

[12] Então, saindo eles, pregavam ao povo que se arrependesse;

[12]Base behamba beshumayela ukuba abantu baphenduke.

[13] expeliam muitos demônios e curavam numerosos enfermos, ungindo-os com óleo.

[13]Bakhipha amademoni amaningi, bagcoba abagulayo abaningi ngamafutha, babaphulukisa.

A morte de João Batista
Mateus 14.1-12; Lucas 9.7-9

Ukubulawa kukaJohane uMbhapathizi
(Math. 14:1; Luk. 9:7)

[14] Chegou isto aos ouvidos do rei Herodes, porque o nome de Jesus já se tornara notório; e alguns diziam: João Batista ressuscitou dentre os mortos, e, por isso, nele operam forças miraculosas.

[14]Yayisikuzwa inkosi uHerode, ngokuba lalidumile igama lakhe. Kwathiwa uJohane uMbhapathizi uvukile kwabafileyo; kungalokho lawa mandla asebenza kuye.

[15] Outros diziam: É Elias; ainda outros: É profeta como um dos profetas.

[15]Kodwa abanye bathi: Ngu-Eliya; abanye bathi: Ngumprofethi njengomunye wabaprofethi.

[16] Herodes, porém, ouvindo isto, disse: É João, a quem eu mandei decapitar, que ressurgiu.

[16]Kepha uHerode ekuzwile wathi: UJohane engamnquma ikhanda nguye ovukile.

[17] Porque o mesmo Herodes, por causa de Herodias, mulher de seu irmão Filipe (porquanto Herodes se casara com ela), mandara prender a João e atá-lo no cárcere.

[17] Ngokuba yena uHerode wayethumele wambamba uJohane, wambopha etilongweni ngenxa kaHerodiya umkaFiliphu umfowabo, ngokuba wayeganwe nguye.

[18] Pois João lhe dizia: Não te é lícito possuir a mulher de teu irmão.

[18] Ngokuba uJohane wayethe kuHerode: Awuvunyelwe ukuthatha umkamfowenu.

[19] E Herodias o odiava, querendo matá-lo, e não podia.

[19]Njalo uHerodiya wambambela amagqubu, wafuna ukumbulala; kepha kabanga namandla,

[20] Porque Herodes temia a João, sabendo que era homem justo e santo, e o tinha em segurança. E, quando o ouvia, ficava perplexo, escutando-o de boa mente.

[20]ngokuba uHerode wayemesaba uJohane emazi ukuthi uyindoda elungileyo engcwele, wamlonda; nalapho emuzwa, wayesambatheka kaningi, nokho kwabamnandi kuye ukumuzwa.

[21] E, chegando um dia favorável, em que Herodes no seu aniversário natalício dera um banquete aos seus dignitários, aos oficiais militares e aos principais da Galiléia,

[22] entrou a filha de Herodias e, dançando, agradou a Herodes e aos seus convivas. Então, disse o rei à jovem: Pede-me o que quiseres, e eu to darei.

[23] E jurou-lhe: Se pedires mesmo que seja a metade do meu reino, eu ta darei.

[24] Saindo ela, perguntou a sua mãe: Que pedirei? Esta respondeu: A cabeça de João Batista.

[25] No mesmo instante, voltando apressadamente para junto do rei, disse: Quero que, sem demora, me dês num prato a cabeça de João Batista.

[26] Entristeceu-se profundamente o rei; mas, por causa do juramento e dos que estavam com ele à mesa, não lha quis negar.

[27] E, enviando logo o executor, mandou que lhe trouxessem a cabeça de João. Ele foi, e o decapitou no cárcere,

[28] e, trazendo a cabeça num prato, a entregou à jovem, e esta, por sua vez, a sua mãe.

[29] Os discípulos de João, logo que souberam disto, vieram, levaram-lhe o corpo e o depositaram no túmulo.

A primeira multiplicação de pães e peixes

Mateus 14.13-21; Lucas 9.10-17; João 6.1-14

[21]Kwathi sekufikile usuku oluhle, lapho uHerode ngosuku lokuzalwa kwakhe ezenzela idili izikhulu zakhe, nezinduna zempi, nabanumzane baseGalile,

[22]kwangena indodakazi kaHerodiya uqobo, yasina, yajabulisa uHerode nababehlezi naye. Inkosi yayisithi entombazaneni: Cela kimi noma yini okuthandayo, ngizakukunika.

[23]Wafunga kuyo, wathi: Noma yini ongakucela kimi ngizakukunika, nakuba kungaze kube yinxenye yombuso wami.

[24]Yayisiphuma, yathi kunina: Ngizakucelani na? Yena wathi: Ikhanda likaJohane uMbhapathizi.

[25]Yakhawuleza yangena masinyane enkosini, yacela yathi: Ngithanda ukuba ungiphe khona manje ngoqwembe ikhanda likaJohane uMbhapathizi.

[26]Inkosi yadabuka kakhulu, kepha ngenxa yezifungo nangenxa yababehlezi nayo ekudleni ayithandanga ukuyilandulela.

[27]Inkosi yayisithuma masinyane ibutho, waliyala ukuba lilethe ikhanda lakhe. Lahamba, lamnquma ikhanda etilongweni.

[28]Laletha ikhanda lakhe ngoqwembe, layinika intombazana, intombazana yamnika unina.

[29]Kwathi ukuba abafundi bakhe bakuzwe lokho, beza bathatha isidumbu sakhe, basibeka ethuneni.

UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu

(Math. 14:13; Luk. 9:12; Joh. 6:1)

30 Voltaram os apóstolos à presença de Jesus e lhe relataram tudo quanto haviam feito e ensinado.

31 E ele lhes disse: Vinde repousar um pouco, à parte, num lugar deserto; porque eles não tinham tempo nem para comer, visto serem numerosos os que iam e vinham.

32 Então, foram sós no barco para um lugar solitário.

33 Muitos, porém, os viram partir e, reconhecendo-os, correram para lá, a pé, de todas as cidades, e chegaram antes deles.

34 Ao desembarcar, viu Jesus uma grande multidão e compadeceu-se deles, porque eram como ovelhas que não têm pastor. E passou a ensinar-lhes muitas coisas.

35 Em declinando a tarde, vieram os discípulos a Jesus e lhe disseram: É deserto este lugar, e já avançada a hora;

36 despede-os para que, passando pelos campos ao redor e pelas aldeias, comprem para si o que comer.

37 Porém ele lhes respondeu: Dai-lhes vós mesmos de comer. Disseram-lhe: Iremos comprar duzentos denários de pão para lhes dar de comer?

38 E ele lhes disse: Quantos pães tendes? Ide ver! E, sabendo-o eles, responderam: Cinco pães e dois peixes.

39 Então, Jesus lhes ordenou que todos se assentassem, em grupos, sobre a relva verde.

30 Abaphostoli babuthana kuJesu, bambikela ababekwenzile nababekufundisile.

31 Wayesethi kubo: Zanini nina nodwa endaweni eyihlane, niphumule ingcosana. Ngokuba babe baningi abezayo nabahambayo, abaze bathola nasikhathi sokudla.

32 Base bemuka ngomkhumbi, baya endaweni eyihlane bebodwa.

33 Abaningi sebebabona bemuka, baqonda, baze bagijimela khona ngezinyawo, bephuma kuyo yonke imizi, babandulela.

34 Wathi ephuma, wabona isixuku esikhulu, waba nesihe ngabantu, ngokuba babe njengezimvu ezingenamalusi; waqala ukubafundisa okuningi.

35 Kwathi isikhathi sesihambile, beza kuye abafundi bakhe, bathi: Le ndawo iyihlane, isikhathi sesidlulile;

36 bamukise ukuba baye emaphandleni nasemizaneni ezungezileyo, bazithengele ukudla.

37 Wayesephendula, ethi kubo: Bapheni nina ukudla. Bathi kuye: Sihambe yini, siyothenga izinkwa zawodenariyu abangamakhulu amabili, sibaphe badle na?

38 Wathi kubo: Ninezinkwa ezingaki na? Hambani nibone. Sebazi bathi: Ziyisihlanu, nezinhlanzi ezimbili.

39 Wabayala ukuba bonke bahlale phansi etshanini obuluhlaza izigaba ngezigaba.

[40] E o fizeram, repartindo-se em grupos de cem em cem e de cinqüenta em cinqüenta.

[41] Tomando ele os cinco pães e os dois peixes, erguendo os olhos ao céu, os abençoou; e, partindo os pães, deu-os aos discípulos para que os distribuíssem; e por todos repartiu também os dois peixes.

[42] Todos comeram e se fartaram;

[43] e ainda recolheram doze cestos cheios de pedaços de pão e de peixe.

[44] Os que comeram dos pães eram cinco mil homens.

Jesus anda por sobre o mar

Mateus 14.22-33; João 6.16-21

[45] Logo a seguir, compeliu Jesus os seus discípulos a embarcar e passar adiante para o outro lado, a Betsaida, enquanto ele despedia a multidão.

[46] E, tendo-os despedido, subiu ao monte para orar.

[47] Ao cair da tarde, estava o barco no meio do mar, e ele, sozinho em terra.

[48] E, vendo-os em dificuldade a remar, porque o vento lhes era contrário, por volta da quarta vigília da noite, veio ter com eles, andando por sobre o mar; e queria tomar-lhes a dianteira.

[49] Eles, porém, vendo-o andar sobre o mar, pensaram tratar-se de um fantasma e gritaram.

[40]Base behlala phansi amaviyo ngamaviyo, kwaba ngamakhulu nangamashumi ayisihlanu.

[41]Wazithabatha izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, wabheka ngasezulwini, wazibusisa, wazihlephula izinkwa, wazinika abafundi ukuba bazibeke phambi kwabo; nezinhlanzi ezimbili wababela bonke ngazo.

[42]Badla bonke, basutha.

[43]Babutha imvuthuluka, iziqabetho eziyishumi nambili ezigcwele, neyezinhlanzi.

[44]Ababedlile izinkwa babe ngamadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu.

UJesu uhamba phezu kolwandle

(Math. 14:22; Joh. 6:16)

[45]Wayesecindezela masinyane abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya phesheya eBetsayida, yena aze amukise isixuku.

[46]Esebavalelisile wahamba waya entabeni ukuyokhuleka.

[47]Kwathi sekuhlwile, umkhumbi wawuphakathi nolwandle, yena eyedwa emhlabathini.

[48]Wababona behlupheka ekugwedleni, ngokuba umoya wawuphambene nabo, weza kubo ngomlindo wesine wobusuku ehamba phezu kolwandle. Kwangathi uyadlula kubo.

[49]Sebembonile ehamba phezu kolwandle, bacabanga ukuthi yisithunzi; bakhala.

[50] Pois todos ficaram aterrados à vista dele. Mas logo lhes falou e disse: Tende bom ânimo! Sou eu. Não temais!

[51] E subiu para o barco para estar com eles, e o vento cessou. Ficaram entre si atônitos,

[52] porque não haviam compreendido o milagre dos pães; antes, o seu coração estava endurecido.

Jesus em Genesaré

Mateus 14.34-36

[53] Estando já no outro lado, chegaram a terra, em Genesaré, onde aportaram.

[54] Saindo eles do barco, logo o povo reconheceu Jesus;

[55] e, percorrendo toda aquela região, traziam em leitos os enfermos, para onde ouviam que ele estava.

[56] Onde quer que ele entrasse nas aldeias, cidades ou campos, punham os enfermos nas praças, rogando-lhe que os deixasse tocar ao menos na orla da sua veste; e quantos a tocavam saíam curados.

[50]Ngokuba bonke bambona, bethuka. Kepha washesha wakhuluma nabo, wathi kubo: Yimani isibindi; yimina, ningesabi.

[51]Wayesekhwela emkhunjini kubo, umoya wanqamuka; bamangala kakhulu impela phakathi kwabo.

[52]Ngokuba abaqondanga okwezinkwa, lokhu inhliziyo yabo yayilukhuni.

[53]Sebewelile bafika ezweni laseGenesaretha, babopha ogwini.

[54]Ukuphuma kwabo emkhunjini yena wayaziwa masinyane.

[55]Bagijimela kulo lonke lelo zwe, baqala ukuletha abagulayo ngezinhlaka, lapho bemuzwa ukuthi ukhona.

[56]Kwathi nomaphi lapho engena khona, emizaneni, nasemizini, nasemaphandleni, babeka abagulayo ezigcawini, bamncenga ukuba bathinte noma umphetho wengubo yakhe kuphela; bonke abamthinta basindiswa.

Marcos 7

Jesus e a tradição dos anciãos. O que contamina o homem

Mateus 15.1-20

[1] Ora, reuniram-se a Jesus os fariseus e alguns escribas, vindos de Jerusalém.

[2] E, vendo que alguns dos discípulos dele comiam pão com as mãos impuras, isto é, por lavar

[3] (pois os fariseus e todos os judeus, observando a tradição dos anciãos, não

NgokukaMarku 7

AbaFarisi nababhali basolwa ngenxa yezimiso zabo

(Math. 15:1)

[1]Kwabuthana kuye abaFarisi nabanye bababhali bevela eJerusalema.

[2] Sebebonile ukuthi abanye babafundi bakhe badla izinkwa ngezandla ezimbi okungukuthi ezingahlanjiwe --

[3]ngokuba abaFarisi kanye nabaJuda bonke abadli bengahlambisisanga izandla, bebamba isiko labadala;

comem sem lavar cuidadosamente as mãos;

[4] quando voltam da praça, não comem sem se aspergirem; e há muitas outras coisas que receberam para observar, como a lavagem de copos, jarros e vasos de metal [e camas]),

[5] interpelaram-no os fariseus e os escribas: Por que não andam os teus discípulos de conformidade com a tradição dos anciãos, mas comem com as mãos por lavar?

[6] Respondeu-lhes: Bem profetizou Isaías a respeito de vós, hipócritas, como está escrito: Este povo honra-me com os lábios, mas o seu coração está longe de mim.

[7] E em vão me adoram, ensinando doutrinas que são preceitos de homens.

[8] Negligenciando o mandamento de Deus, guardais a tradição dos homens.

[9] E disse-lhes ainda: Jeitosamente rejeitais o preceito de Deus para guardardes a vossa própria tradição.

[10] Pois Moisés disse: Honra a teu pai e a tua mãe; e: Quem maldisser a seu pai ou a sua mãe seja punido de morte.

[11] Vós, porém, dizeis: Se um homem disser a seu pai ou a sua mãe: Aquilo que poderias aproveitar de mim é Corbã, isto é, oferta para o SENHOR,

[12] então, o dispensais de fazer qualquer coisa em favor de seu pai ou de sua mãe,

[13] invalidando a palavra de Deus pela vossa própria tradição, que vós mesmos

[4]nanxa bevela endalini, abadli bengakahlambi; kukhona nezinye izinto eziningi abazamukeleyo ukuba bazibambe, njengokuhlanza izinkezo, nezinkamba, nezitsha zethusi --

[5]abaFarisi nababhali bambuza bathi: Abafundi bakho abahambi ngani ngesiko labadala, kepha badla isinkwa ngezandla ezimbi na?

[6] Wayesethi kubo: U-Isaya waprofetha kahle ngani nina bazenzisi njengokulotshiweyo ukuthi: Lesi sizwe singidumisa ngezindebe zomlomo, kepha inhliziyo yaso ikude nami;

[7]kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.

[8] Niyeka umyalo kaNkulunkulu, nibambe isiko labantu.

[9]Wayesethi kubo: Yebo, nichitha umyalo kaNkulunkulu ukuba nigcine isiko lenu.

[10] Ngokuba uMose wathi: Yazisa uyihlo nonyoko, nokuthi: Othuka uyise noma unina makafe nokufa;

[11]kepha nina nithi: Uma umuntu ethi kuyise noma kunina: YiKorbana, okungukuthi umnikelo, lokho ongabe usizwa yimi ngakho,

[12]anisamvumeli ukuba enzele uyise noma unina utho.

[13]Izwi likaNkulunkulu nilenza libe yize ngesiko lenu enilivezileyo; nokunye okuningi okunjalo niyakwenza.

transmitistes; e fazeis muitas outras coisas semelhantes.

[14] Convocando ele, de novo, a multidão, disse-lhes: Ouvi-me, todos, e entendei.

[15] Nada há fora do homem que, entrando nele, o possa contaminar; mas o que sai do homem é o que o contamina.

[16] [Se alguém tem ouvidos para ouvir, ouça.]

[17] Quando entrou em casa, deixando a multidão, os seus discípulos o interrogaram acerca da parábola.

[18] Então, lhes disse: Assim vós também não entendeis? Não compreendeis que tudo o que de fora entra no homem não o pode contaminar,

[19] porque não lhe entra no coração, mas no ventre, e sai para lugar escuso? E, assim, considerou ele puros todos os alimentos.

[20] E dizia: O que sai do homem, isso é o que o contamina.

[21] Porque de dentro, do coração dos homens, é que procedem os maus desígnios, a prostituição, os furtos, os homicídios, os adultérios,

[22] a avareza, as malícias, o dolo, a lascívia, a inveja, a blasfêmia, a soberba, a loucura.

[23] Ora, todos estes males vêm de dentro e contaminam o homem.

A mulher siro-fenícia

Mateus 15.21-28

[24] Levantando-se, partiu dali para as terras de Tiro [e Sidom]. Tendo entrado numa

[14]Khona wabuye wabiza isixuku, wathi kuso: Ngizweni nonke, niqonde.

[15] Alukho utho olungaphandle komuntu lungene kuye olungamngcolisa; kepha okuphumayo kuye yilokho okumngcolisayo umuntu.

[16]Uma ekhona onezindlebe zokuzwa, makezwe.

[17]Kuthe esengene endlini, evela esixukwini, abafundi bakhe bambuza ngalowo mfanekiso.

[18]Wayesethi kubo: Kanti nani ningabangaqondiyo na? Aniqondi yini ukuthi konke okungaphandle okungena kumuntu kungemngcolise na?

[19] Ngokuba akungeni enhliziyweni yakhe, kodwa kungena esiswini, kuphumele ngaphandle, kuhlambulula ukudla konke.

[20]Wayesethi: Okuphumayo kumuntu yilokho okumngcolisayo umuntu;

[21] ngokuba ngaphakathi enhliziyweni yabantu kuphuma imicabango emibi, nobufebe, nokweba, nokubulala,

[22]nokuphinga, nokufisa, nokushinga, nenkohliso, nokungabi nanhloni, neso elibi, nokuhlambalaza, nokuzidla, nobuwula.

[23]Zonke lezo zinto ezimbi zivela ngaphakathi, zimngcolise umuntu.

Owesifazane waseSirofenike

(Math. 15:21)

[24]Wayesemuka lapho, waya emikhawulweni yaseTire. Wangena

casa, queria que ninguém o soubesse; no entanto, não pôde ocultar-se,

[25] porque uma mulher, cuja filhinha estava possessa de espírito imundo, tendo ouvido a respeito dele, veio e prostrou-se-lhe aos pés.

[26] Esta mulher era grega, de origem siro-fenícia, e rogava-lhe que expelisse de sua filha o demônio.

[27] Mas Jesus lhe disse: Deixa primeiro que se fartem os filhos, porque não é bom tomar o pão dos filhos e lançá-lo aos cachorrinhos.

[28] Ela, porém, lhe respondeu: Sim, SENHOR; mas os cachorrinhos, debaixo da mesa, comem das migalhas das crianças.

[29] Então, lhe disse: Por causa desta palavra, podes ir; o demônio já saiu de tua filha.

[30] Voltando ela para casa, achou a menina sobre a cama, pois o demônio a deixara.

A cura de um surdo e gago

[31] De novo, se retirou das terras de Tiro e foi por Sidom até ao mar da Galiléia, através do território de Decápolis.

[32] Então, lhe trouxeram um surdo e gago e lhe suplicaram que impusesse as mãos sobre ele.

[33] Jesus, tirando-o da multidão, à parte, pôs-lhe os dedos nos ouvidos e lhe tocou a língua com saliva;

endlini, akathanda ukwaziwa muntu, kodwa wayengenakufihlakala.

[25]Kwathi masinyane owesifazane ondodakazi yakhe encane inomoya ongcolileyo esezwile ngaye, weza waziphonsa phansi ngasezinyaweni zakhe.

[26]Kepha owesifazane lo wayengumGreki engumSirofenike ngokuzalwa, wamnxusa ukuba akhiphe idemoni endodakazini yakhe.

[27]UJesu wayesethi kuye: Ake kusuthe abantwana kuqala, ngokuba akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.

[28]Kodwa waphendula, wathi kuye: Yebo, Nkosi; kepha nezinjana zidla imvuthuluka yabantwana phansi kwetafula.

[29]Wayesethi kuye: Ngenxa yalelo zwi, hamba-ke; idemoni seliphumile endodakazini yakho.

[30]Wayesemuka, waya endlini yakhe, wafumana umntwana elele embhedeni, idemoni liphumile.

Isithulu esinamalimi siyaphiliswa

(Math. 15:29)

[31]UJesu waphuma futhi emikhawulweni yaseTire, wadabula iSidoni, weza ngaselwandle lwaseGalile edabula izwe laseDekapholi.

[32]Baletha kuye isithulu esinamalimi, bamncenga ukuba abeke isandla phezu kwaso.

[33]Wagudluka naso esixukwini bebodwa, wafaka iminwe yakhe ezindlebeni zaso, wafela amathe, waphatha ulimi lwaso,

[34] depois, erguendo os olhos ao céu, suspirou e disse: Efatá!, que quer dizer: Abre-te!

[35] Abriram-se-lhe os ouvidos, e logo se lhe soltou o empecilho da língua, e falava desembaraçadamente.

[36] Mas lhes ordenou que a ninguém o dissessem; contudo, quanto mais recomendava, tanto mais eles o divulgavam.

[37] Maravilhavam-se sobremaneira, dizendo: Tudo ele tem feito esplendidamente bem; não somente faz ouvir os surdos, como falar os mudos.

[34]wabheka ngasezulwini, wabubula, wathi kuso: Efatha! okungukuthi: Vuleka!

[35]Zase zivuleka izindlebe zaso, wathukuluka masinyane umthambo wolimi lwaso, sakhuluma kahle.

[36]Wabayala ukuba bangatsheli muntu. Kepha kwathi nakuba ebayala kakhulu, kwayikhona bekwandisa kakhulu impela.

[37]Bamangala nokumangala, bathi: Wenze kahle konke; nezithulu uzenza zizwe, nezimungulu zikhulume.

Marcos 8

A segunda multiplicação de pães e peixes
Mateus 15.32-39

[1] Naqueles dias, quando outra vez se reuniu grande multidão, e não tendo eles o que comer, chamou Jesus os discípulos e lhes disse:

[2] Tenho compaixão desta gente, porque há três dias que permanecem comigo e não têm o que comer.

[3] Se eu os despedir para suas casas, em jejum, desfalecerão pelo caminho; e alguns deles vieram de longe.

[4] Mas os seus discípulos lhe responderam: Donde poderá alguém fartá-los de pão neste deserto?

[5] E Jesus lhes perguntou: Quantos pães tendes? Responderam eles: Sete.

[6] Ordenou ao povo que se assentasse no chão. E, tomando os sete pães, partiu-os,

NgokukaMarku 8

UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane ezine
(Math. 15:32)

[1]Ngalezo zinsuku sekukhona futhi isixuku esikhulu singenakudla, wabiza abafundi bakhe, wathi kubo:

[2] Ngiyasihawukela isixuku, ngokuba sekuyizinsuku ezintathu sihlezi kimi, singenanto yokudla.

[3]Uma ngibamukisa, baye ekhaya bengadlanga, bayakuphela amandla endleleni, ngokuba abanye babo bavela kude.

[4]Abafundi bakhe bamphendula bathi: Umumtu angatholaphi lapha ehlane izinkwa zokusuthisa laba na?

[5]Wababuza wathi: Ninezinkwa ezingaki na? Bathi: Eziyisikhombisa.

[6]Wayala isixuku ukuba sihlale phansi; wazithabatha izinkwa eziyisikhombisa,

após ter dado graças, e os deu a seus discípulos, para que estes os distribuíssem, repartindo entre o povo.

[7] Tinham também alguns peixinhos; e, abençoando-os, mandou que estes igualmente fossem distribuídos.

[8] Comeram e se fartaram; e dos pedaços restantes recolheram sete cestos.

[9] Eram cerca de quatro mil homens. Então, Jesus os despediu.

[10] Logo a seguir, tendo embarcado juntamente com seus discípulos, partiu para as regiões de Dalmanuta.

Os fariseus pedem um sinal do céu

Mateus 16.1-4

[11] E, saindo os fariseus, puseram-se a discutir com ele; e, tentando-o, pediram-lhe um sinal do céu.

[12] Jesus, porém, arrancou do íntimo do seu espírito um gemido e disse: Por que pede esta geração um sinal? Em verdade vos digo que a esta geração não se lhe dará sinal algum.

[13] E, deixando-os, tornou a embarcar e foi para o outro lado.

O fermento dos fariseus e o de Herodes

Mateus 16.5-12

[14] Ora, aconteceu que eles se esqueceram de levar pães e, no barco, não tinham consigo senão um só.

[15] Preveniu-os Jesus, dizendo: Vede, guardai-vos do fermento dos fariseus e do fermento de Herodes.

[16] E eles discorriam entre si: É que não temos pão.

wabonga, wazihlephula, wanika abafundi bakhe ukuba bababele; basabela isixuku.

[7]Babe nezinhlanzana eziyingcosana futhi; esezibusisile wathi ababele nazo.

[8]Badla, basutha, babutha imvuthuluka eseleyo, amaqoma ayisikhombisa.

[9]Babengathi izinkulungwane ezine; wabamukisa.

[10]Wayesengena masinyane emkhunjini kanye nabafundi bakhe, weza ezweni laseDalmanutha.

Abafuna izibonakaliso

(Math. 12:38; 16:1; Luk. 11:29)

[11] Khona kwafika abaFarisi, baqala ukuphendulana naye befuna kuye isibonakaliso esivela ezulwini, bemlinga.

[12]Wabubula emoyeni wakhe, wathi: Lesi sizukulwane sifunelani isibonakaliso na? Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikunikwa sibonakaliso.

[13]Wabashiya, wabuye wangena emkhunjini, wamuka, waya ngaphesheya.

[14]Kepha babekhohliwe ukuphatha izinkwa, bengenalutho, isinkwa sisinye kuphela emkhunjini.

[15]Wayesebayala ethi: Anobheka nixwaye imvubelo yabaFarisi nemvubelo kaHerode.

[16]Baphendulana bodwa, bathi abanazinkwa.

[17] Jesus, percebendo-o, lhes perguntou: Por que discorreis sobre o não terdes pão? Ainda não considerastes, nem compreendestes? Tendes o coração endurecido?

[18] Tendo olhos, não vedes? E, tendo ouvidos, não ouvis? Não vos lembrais

[19] de quando parti os cinco pães para os cinco mil, quantos cestos cheios de pedaços recolhestes? Responderam eles: Doze!

[20] E de quando parti os sete pães para os quatro mil, quantos cestos cheios de pedaços recolhestes? Responderam: Sete!

[21] Ao que lhes disse Jesus: Não compreendeis ainda?

A cura de um cego em Betsaida

[22] Então, chegaram a Betsaida; e lhe trouxeram um cego, rogando-lhe que o tocasse.

[23] Jesus, tomando o cego pela mão, levou-o para fora da aldeia e, aplicando-lhe saliva aos olhos e impondo-lhe as mãos, perguntou-lhe: Vês alguma coisa?

[24] Este, recobrando a vista, respondeu: Vejo os homens, porque como árvores os vejo, andando.

[25] Então, novamente lhe pôs as mãos nos olhos, e ele, passando a ver claramente, ficou restabelecido; e tudo distinguia de modo perfeito.

[17]UJesu ekwazi wathi kubo: Yini ukuba niphendulane ngokuthi aninazinkwa na? Anikaboni, anikaqondi, na? Inhliziyo yenu iselukhuni na?

[18] Ninamehlo aniboni yini, ninezindlebe anizwa na? Anikhumbuli yini

[19] mhla ngihlephulela abayizinkulungwane eziyisihlanu izinkwa eziyisihlanu ukuthi nabutha iziqabetho ezingaki ezigcwele imvuthuluka na? Bathi kuye: Ishumi nambili.

[20] Mhla ziyisikhombisa kwaba yizinkulungwane ezine, nabutha amaqoma amangaki agcwele imvuthuluka na? Bathi: Isikhombisa.

[21]Wathi kubo: Anikaqondi na?

Impumputhe yaseBetsayida

[22]Bafika eBetsayida. Base beletha kuye impumputhe, bamncenga ukuba ayiphathe.

[23] Wayibamba impumputhe ngesandla, wayiholela ngaphandle komuzi, wafela amathe emehlweni ayo, wabeka izandla phezu kwayo, wayibuza wathi: Ubona utho na?

[24]Yabheka, yathi: Ngibona abantu, ngibabona behamba; kungathi yizihlahla.

[25]Khona waphinda wabeka izandla phezu kwamehlo ayo, yabhekisisa, yasinda, yabonisisa konke.

[26] E mandou-o Jesus embora para casa, recomendando-lhe: Não entres na aldeia.

A confissão de Pedro

Mateus 16.13-20; Lucas 9.18-21

[27] Então, Jesus e os seus discípulos partiram para as aldeias de Cesaréia de Filipe; e, no caminho, perguntou-lhes: Quem dizem os homens que sou eu?

[28] E responderam: João Batista; outros: Elias; mas outros: Algum dos profetas.

[29] Então, lhes perguntou: Mas vós, quem dizeis que eu sou? Respondendo, Pedro lhe disse: Tu és o Cristo.

[30] Advertiu-os Jesus de que a ninguém dissessem tal coisa a seu respeito.

Jesus prediz a sua morte e ressurreição

Mateus 16.21-23; Lucas 9.22

[31] Então, começou ele a ensinar-lhes que era necessário que o Filho do Homem sofresse muitas coisas, fosse rejeitado pelos anciãos, pelos principais sacerdotes e pelos escribas, fosse morto e que, depois de três dias, ressuscitasse.

[32] E isto ele expunha claramente. Mas Pedro, chamando-o à parte, começou a reprová-lo.

[33] Jesus, porém, voltou-se e, fitando os seus discípulos, repreendeu a Pedro e disse: Arreda, Satanás! Porque não cogitas das coisas de Deus, e sim das dos homens.

O discípulo de Jesus deve levar a sua cruz

Mateus 16.24-28; Lucas 9.23-27

[34] Então, convocando a multidão e juntamente os seus discípulos, disse-lhes: Se alguém quer vir após mim, a si mesmo se negue, tome a sua cruz e siga-me.

[26]Wayithumela ekhaya layo, wathi: Ungangeni emzini wabantu.

Isivumo sikaPetru

(Math. 16:13; Luk. 9:18)

[27]UJesu wayesephuma kanye nabafundi bakhe, waya emizini yaseKesariya Filipi. Besendleleni, wababuza abafundi bakhe, wathi kubo: Abantu bathi ngingubani na?

[28]Bamtshela bathi: UJohane uMbhapathizi; abanye bathi: Ngu-Eliya; abanye bathi: Ngomunye wabaprofethi.

[29]Wayesebabuza ethi: Nina-ke nithi ngingubani na? UPetru waphendula, wathi kuye: Wena unguKristu.

[30]Wabayalisisa ukuba bangatsheli muntu ngaye.

UJesu ukhuluma ngokufa nokuvuka kwakhe

(Math. 16:21; Luk. 9:22)

[31]Khona waqala ukubafundisa ukuthi iNdodana yomuntu imelwe ukuhlupheka ngokuningi, ilahlwe ngamalunga nabapristi abakhulu nababhali, ibulawe, ivuswe emva kwezinsuku ezintathu.

[32]Leli zwi walikhuluma ngokusobala. UPetru wamthatha, waqala ukumkhuza.

[33]Kepha waphenduka, wabheka abafundi bakhe, wamkhuza uPetru, wathi: Buyela emva kwami, Sathane, ngokuba awuqondi okukaNkulunkulu kepha okwabantu.

[34]Wayesebiza isixuku nabafundi bakhe, wathi kubo: Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, angilandele.

[35] Quem quiser, pois, salvar a sua vida perdê-la-á; e quem perder a vida por causa de mim e do evangelho salvá-la-á.

[35] Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami nangenxa yevangeli uyakukusindisa.

[36] Que aproveita ao homem ganhar o mundo inteiro e perder a sua alma?

[36] Ngokuba kuyakumsizani umuntu ukuzuza izwe lonke, alahlekelwe ngukuphila kwakhe, na?

[37] Que daria um homem em troca de sua alma?

[37] Yingabe angakhiphani umuntu, kube yisihlengo sokuphila kwakhe, na?

[38] Porque qualquer que, nesta geração adúltera e pecadora, se envergonhar de mim e das minhas palavras, também o Filho do Homem se envergonhará dele, quando vier na glória de seu Pai com os santos anjos.

[38] Ngokuba yilowo nalowo onezinhloni ngami nangamazwi ami kulesi sizukulwane esiphingayo nesonakeleyo, neNdodana yomuntu iyakuba nezinhloni ngaye, lapho iza ngenkazimulo kaYise kanye nezingelosi ezingcwele.

Marcos 9

[1] Dizia-lhes ainda: Em verdade vos afirmo que, dos que aqui se encontram, alguns há que, de maneira nenhuma, passarão pela morte até que vejam ter chegado com poder o reino de Deus.

A transfiguração

Mateus 17.1-8; Lucas 9.28-36

[2] Seis dias depois, tomou Jesus consigo a Pedro, Tiago e João e levou-os sós, à parte, a um alto monte. Foi transfigurado diante deles;

[3] as suas vestes tornaram-se resplandecentes e sobremodo brancas, como nenhum lavandeiro na terra as poderia alvejar.

[4] Apareceu-lhes Elias com Moisés, e estavam falando com Jesus.

NgokukaMarku 9

[1] Wayesethi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Bakhona abanye kwabemi lapha abangayikuzwa ngempela ukufa, baze babone umbuso kaNkulunkulu ufikile ngamandla.

Ukukhazimuliswa kukaJesu entabeni

(Math. 17:1; Luk. 9:28)

[2] Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha oPetru, noJakobe, noJohane, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa; waphenduka esinye isimo phambi kwabo.

[3] Izingubo zakhe zacwazimula zaba mhlophe qwa, ngangokuba umhlanzi wasemhlabeni angezenze zibe mhlophe kangaka.

[4] Kwabonakala kubo u-Eliya enoMose; babekhuluma noJesu.

[5] Então, Pedro, tomando a palavra, disse: Mestre, bom é estarmos aqui e que façamos três tendas: uma será tua, outra, para Moisés, e outra, para Elias.

[6] Pois não sabia o que dizer, por estarem eles aterrados.

[7] A seguir, veio uma nuvem que os envolveu; e dela uma voz dizia: Este é o meu Filho amado; a ele ouvi.

[8] E, de relance, olhando ao redor, a ninguém mais viram com eles, senão Jesus.

A vinda de Elias
Mateus 17.9-13

[9] Ao descerem do monte, ordenou-lhes Jesus que não divulgassem as coisas que tinham visto, até o dia em que o Filho do Homem ressuscitasse dentre os mortos.

[10] Eles guardaram a recomendação, perguntando uns aos outros que seria o ressuscitar dentre os mortos.

[11] E interrogaram-no, dizendo: Por que dizem os escribas ser necessário que Elias venha primeiro?

[12] Então, ele lhes disse: Elias, vindo primeiro, restaurará todas as coisas; como, pois, está escrito sobre o Filho do Homem que sofrerá muito e será aviltado?

[13] Eu, porém, vos digo que Elias já veio, e fizeram com ele tudo o que quiseram, como a seu respeito está escrito.

A cura de um jovem possesso
Mateus 17.14-21; Lucas 9.37-43

[5]Wathatha uPetru, wathi kuJesu: Rabi, kuhle ukuba silapha; masakhe amadokodo amathathu, elinye libe ngelakho, elinye libe ngelikaMose, elinye libe ngelika-Eliya.

[6]Wayengazi ukuthi uzakuphendula ngokuthini, ngokuba babesaba kakhulu.

[7] Kwase kufika ifu, libasithibeza; kwavela izwi efwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo; yizweni.

[8]Kwathi masinyane beqalaza, ababe besabona muntu, kuphela uJesu yedwa enabo.

[9]Besehla entabeni, wabayala ukuba bangatsheli muntu abakubonileyo, iNdodana yomuntu ingakavuki kwabafileyo.

[10]Bazigcinela lelo zwi bebuzana ngokuthi kuyini lokho ukuvuka kwabafileyo.

[11] Base bembuza, bethi: Basholoni ababhali ukuthi u-Eliya umelwe ukufika kuqala na?

[12] Wayesethi kubo: Nempela u-Eliya uyeza kuqala ukuba abuyisele konke; kepha kulotshiwe kanjani ngeNdodana yomuntu ukuthi izakuhlupheka ngokuningi, idelelwe, na?

[13] Kodwa ngithi kini: U-Eliya sewafika, benza kuye abakuthandayo, njengalokho kulotshiwe ngaye.

Ukuphulukiswa komfana onesithuthwane
(Math. 17:14; Luk. 9:37)

[14] Quando eles se aproximaram dos discípulos, viram numerosa multidão ao redor e que os escribas discutiam com eles.

[15] E logo toda a multidão, ao ver Jesus, tomada de surpresa, correu para ele e o saudava.

[16] Então, ele interpelou os escribas: Que é que discutíeis com eles?

[17] E um, dentre a multidão, respondeu: Mestre, trouxe-te o meu filho, possesso de um espírito mudo;

[18] e este, onde quer que o apanha, lança-o por terra, e ele espuma, rilha os dentes e vai definhando. Roguei a teus discípulos que o expelissem, e eles não puderam.

[19] Então, Jesus lhes disse: Ó geração incrédula, até quando estarei convosco? Até quando vos sofrerei? Trazei-mo.

[20] E trouxeram-lho; quando ele viu a Jesus, o espírito imediatamente o agitou com violência, e, caindo ele por terra, revolvia-se espumando.

[21] Perguntou Jesus ao pai do menino: Há quanto tempo isto lhe sucede? Desde a infância, respondeu;

[22] e muitas vezes o tem lançado no fogo e na água, para o matar; mas, se tu podes alguma coisa, tem compaixão de nós e ajuda-nos.

[23] Ao que lhe respondeu Jesus: Se podes! Tudo é possível ao que crê.

[14]Kwathi sebeza kubafundi, babona isixuku esikhulu sibahaqile nababhali bebuzana nabo.

[15]Isixuku sonke sambona qede sashaywa luvalo, sagijimela kuye, sambingelela.

[16]Wayesebabuza ethi: Nibuzana nabo ngantoni na?

[17]Omunye wesixuku wamphendula wathi: Mfundisi, ngilethe kuwe indodana yami enomoya oyisimungulu.

[18]Kuthi lapho eyibambayo, uyidonsela phansi, ikhihlize amagwebu, igedle amazinyo, iphele amandla. Ngikhulume nabafundi bakho ukuba bamkhiphe, kepha bahluleka.

[19]Waphendula wathi: O sizukulwane esingakholwayo, koze kube nini nginani na? Koze kube nini nginibekezelela na? Yiletheni kimi.

[20] Bayiletha kuye. Kwathi umoya embona, wayihlukumeza kakhulu masinyane, yawa phansi emhlabathini, yazigingqa ikhihliza amagwebu.

[21]Wayesebuza kuyise ukuthi isikhathi sesingakanani ifikelwe yilokhu na? Wathi: Kwasebuntwaneni.

[22]Uyiphonsile kaningi emlilweni nasemanzini ukuba ayibhubhise; kodwa uma unamandla okwenza utho, sihawukele, usisize.

[23] UJesu wayesethi kuye: Uma unamandla! Konke kungenzeka kokholwayo.

[24] E imediatamente o pai do menino exclamou [com lágrimas]: Eu creio! Ajuda-me na minha falta de fé!

[25] Vendo Jesus que a multidão concorria, repreendeu o espírito imundo, dizendo-lhe: Espírito mudo e surdo, eu te ordeno: Sai deste jovem e nunca mais tornes a ele.

[26] E ele, clamando e agitando-o muito, saiu, deixando-o como se estivesse morto, a ponto de muitos dizerem: Morreu.

[27] Mas Jesus, tomando-o pela mão, o ergueu, e ele se levantou.

[28] Quando entrou em casa, os seus discípulos lhe perguntaram em particular: Por que não pudemos nós expulsá-lo?

[29] Respondeu-lhes: Esta casta não pode sair senão por meio de oração [e jejum].

De novo Jesus prediz a sua morte e ressurreição
Mateus 17.22-23; Lucas 9.43b-45

[30] E, tendo partido dali, passavam pela Galiléia, e não queria que ninguém o soubesse;

[31] porque ensinava os seus discípulos e lhes dizia: O Filho do Homem será entregue nas mãos dos homens, e o matarão; mas, três dias depois da sua morte, ressuscitará.

[32] Eles, contudo, não compreendiam isto e temiam interrogá-lo.

O maior no reino dos céus
Mateus 18.1-5; Lucas 9.46-48

[33] Tendo eles partido para Cafarnaum, estando ele em casa, interrogou os

[24]Uyise womntwana wayesememeza masinyane, wathi: Ngiyakholwa, siza ukungakholwa kwami.

[25]UJesu esebona ukuthi isixuku sigijimela ndawonye, wamkhuza umoya ongcolileyo, wathi kuye: Wena moya oyisimungulu nesithulu ngiyakuyala mina, ngithi: Phuma kuye, ungabe usangena kuye.

[26]Wamemeza, wamhlukumeza kakhulu, waphuma; waba njengofileyo, baze bathi abaningi: Usefile.

[27]Kepha uJesu wambamba ngesandla, wamvusa; wasukuma.

[28]Kuthe esengenile endlini, abafundi bakhe bambuza bebodwa, bathi: Thina besingemkhiphe ngani na?

[29]Wayesethi kubo: Lolu hlobo lungephume ngalutho, kuphela ngokukhuleka nangokuzila ukudla.

UJesu ukhuluma futhi ngokuhlupheka kwakhe
(Math. 17:22; Luk. 9:43)

[30]Bamuka lapho, badabula iGalile, wayengathandi ukuba kwaziwe muntu,

[31] ngokuba wabafundisa abafundi bakhe, wathi kubo: INdodana yomuntu ikhashelwa ezandleni zabantu, bazakuyibulala; kuthi isibulewe, izakuvuka emva kwezinsuku ezintathu.

[32]Kepha abakuzwisisanga lokho kusho, besaba nokumbuza.

Ubukhulu obuyibo nezikhubekiso
(Math. 18:1; Luk. 9:46)

[33]Base beza eKapernawume. Kwathi esengene endlini, wababuza wathi: Beniphendulana ngantoni endleleni na?

discípulos: De que é que discorríeis pelo caminho?

34 Mas eles guardaram silêncio; porque, pelo caminho, haviam discutido entre si sobre quem era o maior.

35 E ele, assentando-se, chamou os doze e lhes disse: Se alguém quer ser o primeiro, será o último e servo de todos.

36 Trazendo uma criança, colocou-a no meio deles e, tomando-a nos braços, disse-lhes:

37 Qualquer que receber uma criança, tal como esta, em meu nome, a mim me recebe; e qualquer que a mim me receber, não recebe a mim, mas ao que me enviou.

Jesus ensina a tolerância e a caridade

Lucas 9.49-50

38 Disse-lhe João: Mestre, vimos um homem que, em teu nome, expelia demônios, o qual não nos segue; e nós lho proibimos, porque não seguia conosco.

39 Mas Jesus respondeu: Não lho proibais; porque ninguém há que faça milagre em meu nome e, logo a seguir, possa falar mal de mim.

40 Pois quem não é contra nós é por nós.

41 Porquanto, aquele que vos der de beber um copo de água, em meu nome, porque sois de Cristo, em verdade vos digo que de modo algum perderá o seu galardão.

Os tropeços

Mateus 18.6-9; Lucas 17.1-2

42 E quem fizer tropeçar a um destes pequeninos crentes, melhor lhe fora que se

34 Kepha bathula, ngokuba bebekhulumisene endleleni ngokuthi ngubani omkhulu.

35 Wayesehlala phansi, wababiza abayishumi nambili, wathi kubo: Uma umuntu ethanda ukuba ngowokuqala, makabe ngowokugcina kubo bonke nesikhonzi sabo bonke.

36 Wayesethatha umntwana, wammisa phakathi kwabo, wamgona, wathi kubo:

37 Yilowo nalowo oyakwamukela abe munye kubantwana abanje ngegama lami uyangamukela mina, ongamukela mina akamukeli mina kodwa ongithumileyo.

38 UJohane wayesethi kuye: Mfundisi, sabona umuntu ongasilandeli ekhipha amademoni ngegama lakho; samnqabela ngokuba engasilandeli.

39 Kepha uJesu wathi: Ningamnqabeli, ngokuba akakho owenza umsebenzi wamandla ngegama lami ongasuka masinyane, akhulume kabi ngami.

40 Ngokuba ongamelene nathi ungakithi.

41 Yilowo nalowo oniphuzisa inkezo yamanzi ngegama lami ngokuba ningabakaKristu, ngiqinisile ngithi kini: Akasoze alahlekelwa ngumvuzo wakhe.

42 Nalowo okhubekisa abe munye kulaba abancinyane abakholwayo kungangcono

lhe pendurasse ao pescoço uma grande pedra de moinho, e fosse lançado no mar.

43 E, se tua mão te faz tropeçar, corta-a; pois é melhor entrares maneta na vida do que, tendo as duas mãos, ires para o inferno, para o fogo inextinguível

44 [onde não lhes morre o verme, nem o fogo se apaga].

45 E, se teu pé te faz tropeçar, corta-o; é melhor entrares na vida aleijado do que, tendo os dois pés, seres lançado no inferno

46 [onde não lhes morre o verme, nem o fogo se apaga].

47 E, se um dos teus olhos te faz tropeçar, arranca-o; é melhor entrares no reino de Deus com um só dos teus olhos do que, tendo os dois seres lançado no inferno,

48 onde não lhes morre o verme, nem o fogo se apaga.

Os discípulos, o sal da terra

Mateus 5.13; Lucas 14.34-35

49 Porque cada um será salgado com fogo.

50 Bom é o sal; mas, se o sal vier a tornar-se insípido, como lhe restaurar o sabor? Tende sal em vós mesmos e paz uns com os outros.

Marcos 10

Jesus atravessa o Jordão

Mateus 19.1-2

1 Levantando-se Jesus, foi dali para o território da Judéia, além do Jordão. E outra vez as multidões se reuniram junto a

kuye ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakhe, aphonswe elwandle.

43 Uma isandla sakho sikukhubekisa, sinqume; kungcono ungene ekuphileni uyingini kunokuba uye esihogweni, emlilweni ongacimekiyo, unezandla zombili,

44 lapho impethu yabo ingafi, nomlilo ungacimi.

45 Uma unyawo lwakho lukukhubekisa, lunqume; kungcono ungene ekuphileni ulunyonga kunokuba uphonswe esihogweni, emlilweni ongacimekiyo, unezinyawo zombili,

46 lapho impethu yabo ingafi, nomlilo ungacimi.

47 Uma iso lakho likukhubekisa, likhiphe; kungcono ungene embusweni kaNkulunkulu uneso linye kunokuba uphonswe esihogweni unamehlo omabili,

48 lapho impethu yabo ingafi, nomlilo ungacimi.

49 Ngokuba bonke bazakugqunyiswa ngomlilo.

50 Usawoti muhle, kepha uma usawoti engasenabusawoti, niyakumhlaziya ngani na? Yibani nosawoti phakathi kwenu, nihlalisane ngokuthula.

NgokukaMarku 10

Ukuhlalisana kwabaganeneyo

(Math. 19:1; Luk. 16:18)

1 Wasuka lapho, weza emikhawulweni yaseJudiya nangaphesheya kweJordani; izixuku zabuye zabuthana kuye, waphinda

ele, e, de novo, ele as ensinava, segundo o seu costume.

A questão do divórcio
Mateus 19.3-12; Lucas 16.18

2 E, aproximando-se alguns fariseus, o experimentaram, perguntando-lhe: É lícito ao marido repudiar sua mulher?

3 Ele lhes respondeu: Que vos ordenou Moisés?

4 Tornaram eles: Moisés permitiu lavrar carta de divórcio e repudiar.

5 Mas Jesus lhes disse: Por causa da dureza do vosso coração, ele vos deixou escrito esse mandamento;

6 porém, desde o princípio da criação, Deus os fez homem e mulher.

7 Por isso, deixará o homem a seu pai e mãe [e unir-se-á a sua mulher],

8 e, com sua mulher, serão os dois uma só carne. De modo que já não são dois, mas uma só carne.

9 Portanto, o que Deus ajuntou não separe o homem.

10 Em casa, voltaram os discípulos a interrogá-lo sobre este assunto.

11 E ele lhes disse: Quem repudiar sua mulher e casar com outra comete adultério contra aquela.

12 E, se ela repudiar seu marido e casar com outro, comete adultério.

Jesus abençoa as crianças
Mateus 19.13-15; Lucas 18.15-17

wabafundisa abantu njengokujwayela kwakhe.

2Kwase kusondela kuye abaFarisi, bambuza ukuthi kuvunyelwe yini ukuba indoda ilahle umkayo, bemlinga.

3Waphendula, wathi kubo: UMose waniyala ngokuthini na?

4 Bathi: UMose wavuma ukuba kulotshwe incwadi yesahlukaniso, alahlwe.

5UJesu wayesethi kubo: Ngenxa yobulukhuni benhliziyo yenu wanilobela lowo myalo.

6 Kepha kusukela ekuqaleni kokudalwa uNkulunkulu wabenza owesilisa nowesifazane.

7 Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe;

8labo ababili bayakuba nyamanye; ngakho abasebabili, kepha sebenyamanye.

9Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu makungahlukaniswa ngumuntu.

10Besendlini abafundi babuye bambuza ngalokho.

11 Wathi kubo: Yilowo nalowo olahla umkakhe, aganwe ngomunye, uyaphinga kuye.

12Naye, uma elahla indoda yakhe, agane enye, uyaphinga.

Ukubusiswa kwabantwana
(Math. 19:13; Luk. 18:15)

[13] Então, lhe trouxeram algumas crianças para que as tocasse, mas os discípulos os repreendiam.

[13]Khona baletha kuye abantwanyana ukuba abaphathe; kepha abafundi babakhuza.

[14] Jesus, porém, vendo isto, indignou-se e disse-lhes: Deixai vir a mim os pequeninos, não os embaraceis, porque dos tais é o reino de Deus.

[14]Kodwa uJesu ekubona wathukuthela, wathi kubo: Vumelani abantwana beze kimi, ningabenqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.

[15] Em verdade vos digo: Quem não receber o reino de Deus como uma criança de maneira nenhuma entrará nele.

[15]Ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo ongamukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana kasoze angena kuwo.

[16] Então, tomando-as nos braços e impondo-lhes as mãos, as abençoava.

[16]Wabagona, wababusisa ebeka izandla phezu kwabo.

O jovem rico

Mateus 19.16-22; Lucas 18.18-23

Insizwa enothileyo

(Math. 19:16; Luk. 18:18)

[17] E, pondo-se Jesus a caminho, correu um homem ao seu encontro e, ajoelhando-se, perguntou-lhe: Bom Mestre, que farei para herdar a vida eterna?

[17]Ekuphumeni kwakhe ukuya endleleni umuntu wagijimela kuye, waguqa ngamadolo phambi kwakhe, wambuza wathi: Mfundisi omuhle, ngiyakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?

[18] Respondeu-lhe Jesus: Por que me chamas bom? Ninguém é bom senão um, que é Deus.

[18]Kepha uJesu wathi kuye: Ungibizelani ngokuthi ngimuhle na? Kakho omuhle, munye kuphela, uNkulunkulu.

[19] Sabes os mandamentos: Não matarás, não adulterarás, não furtarás, não dirás falso testemunho, não defraudarás ninguém, honra a teu pai e tua mãe.

[19] Uyayazi imiyalelo ukuthi: Ungabulali, ungaphingi, ungebi, ungafakazi amanga, ungamamuki umuntu utho, yazisa uyihlo nonyoko.

[20] Então, ele respondeu: Mestre, tudo isso tenho observado desde a minha juventude.

[20]Kepha wathi kuye: Mfundisi, konke lokho ngikugcinile kwasebusheni bami.

[21] E Jesus, fitando-o, o amou e disse: Só uma coisa te falta: Vai, vende tudo o que tens, dá-o aos pobres e terás um tesouro no céu; então, vem e segue-me.

[21]UJesu wayesembheka, emthanda, wathi kuye: Usasilalelwe into inye; hamba uthengise ngakho konke onakho, uphe abampofu, khona uzakuba negugu ezulwini; uze ungilandele.

[22] Ele, porém, contrariado com esta palavra, retirou-se triste, porque era dono de muitas propriedades.

[22]Kepha wanyukumala ngalelo zwi, wamuka edabukile, ngokuba wayenengcebo enkulu.

O perigo das riquezas

Mateus 19.23-30; Lucas 18.24-30

[23] Então, Jesus, olhando ao redor, disse aos seus discípulos: Quão dificilmente entrarão no reino de Deus os que têm riquezas!

[23]UJesu waqalaza, wathi kubafundi bakhe: Kulukhuni kangakanani kwabanomnotho ukungena embusweni kaNkulunkulu.

[24] Os discípulos estranharam estas palavras; mas Jesus insistiu em dizer-lhes: Filhos, quão difícil é [para os que confiam nas riquezas] entrar no reino de Deus!

[24]Kepha abafundi bethuka ngamazwi akhe. UJesu wabuye waphendula, wathi kubo: Bantwana, kulukhuni kangakanani kwabethemba umnotho ukungena embusweni kaNkulunkulu.

[25] É mais fácil passar um camelo pelo fundo de uma agulha do que entrar um rico no reino de Deus.

[25]Kulula ukuba ikamela lingene ngentunja yosungulo kunokuba onothileyo angene embusweni kaNkulunkulu.

[26] Eles ficaram sobremodo maravilhados, dizendo entre si: Então, quem pode ser salvo?

[26]Bamangala kakhulu, bathi omunye komunye: Pho, kungasindiswa bani na?

[27] Jesus, porém, fitando neles o olhar, disse: Para os homens é impossível; contudo, não para Deus, porque para Deus tudo é possível.

[27] UJesu ebabheka wathi: Kubantu akunakwenzeka, kepha kuNkulunkulu akunjalo; ngokuba kuNkulunkulu kungenzeka konke.

Umvuzo wokuzidela

(Math. 19:27; Luk. 18:28)

[28] Então, Pedro começou a dizer-lhe: Eis que nós tudo deixamos e te seguimos.

[28]UPetru wathatha, wathi kuye: Bheka, thina sishiye konke, sakulandela.

[29] Tornou Jesus: Em verdade vos digo que ninguém há que tenha deixado casa, ou irmãos, ou irmãs, ou mãe, ou pai, ou filhos, ou campos por amor de mim e por amor do evangelho,

[29]UJesu wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Akukho muntu oshiye indlu, noma abafowabo, noma odadewabo, noma unina, noma uyise, noma abantwana, noma amazwe ngenxa yami nangenxa yevangeli,

[30] que não receba, já no presente, o cêntuplo de casas, irmãos, irmãs, mães,

[30]ongayikwamukeliswa ngekhulu: manje kulesi sikhathi izindlu, nabafowabo, nawodadewabo, nawonina, nabantwana,

filhos e campos, com perseguições; e, no mundo por vir, a vida eterna.

namazwe kanye nokuzingelwa, nasenkathini ezayo ukuphila okuphakade.

31 Porém muitos primeiros serão últimos; e os últimos, primeiros.

31Kepha abaningi abokuqala bayakuba ngabokugcina, nabokugcina babe ngabokuqala.

Jesus ainda outra vez prediz sua morte e ressurreição

Mateus 20.17-19; Lucas 18.31-34

UJesu ukhuluma futhi ngokufa nokuvuka kwakhe

(Math. 20:17; Luk. 18:31)

32 Estavam de caminho, subindo para Jerusalém, e Jesus ia adiante dos seus discípulos. Estes se admiravam e o seguiam tomados de apreensões. E Jesus, tornando a levar à parte os doze, passou a revelar-lhes as coisas que lhe deviam sobrevir, dizendo:

32Babesendleleni bekhuphukela eJerusalema; uJesu wayehamba phambi kwabo; ababelandela babethukile, besaba. Wayesethatha futhi abayishumi nambili, waqala ukubatshela okuzakumehlela, ethi:

33 Eis que subimos para Jerusalém, e o Filho do Homem será entregue aos principais sacerdotes e aos escribas; condená-lo-ão à morte e o entregarão aos gentios;

33 Bhekani, sikhuphukela eJerusalema; iNdodana yomuntu izakukhashelwa kubapristi abakhulu nababhali; bazakuyinqumela ukuba ife, bayikhaphele kwabezizwe;

34 hão de escarnecê-lo, cuspir nele, açoitá-lo e matá-lo; mas, depois de três dias, ressuscitará.

34bazakuyiklolodela, bayikhafulele ngamathe, bayishaye, bayibulale; kepha emva kwezinsuku ezintathu izakuvuka.

O pedido de Tiago e João

Mateus 20.20-28

UJesu ukhuza amadodana kaZebedewu

(Math. 20:20)

35 Então, se aproximaram dele Tiago e João, filhos de Zebedeu, dizendo-lhe: Mestre, queremos que nos concedas o que te vamos pedir.

35Kwase kusondela kuye oJakobe noJohane amadodana kaZebedewu, bathi kuye: Mfundisi, siyathanda ukuba usenzele lokhu esizakukucela kuwe.

36 E ele lhes perguntou: Que quereis que vos faça?

36Wathi kubo: Nifuna ukuba nginenzeleni na?

37 Responderam-lhe: Permite-nos que, na tua glória, nos assentemos um à tua direita e o outro à tua esquerda.

37Bathi kuye: Siphe ukuba sihlale, omunye ngakwesokunene sakho, omunye ngokwesokhohlo sakho enkazimulweni yakho.

38 Mas Jesus lhes disse: Não sabeis o que pedis. Podeis vós beber o cálice que eu

38Kepha uJesu wathi kubo: Anikwazi enikucelayo. Ningasiphuza yini isitsha

bebo ou receber o batismo com que eu sou batizado?

engisiphuzayo mina, nibhapathizwe ngombhapathizo engibhapathizwa ngawo na?

[39] Disseram-lhe: Podemos. Tornou-lhes Jesus: Bebereis o cálice que eu bebo e recebereis o batismo com que eu sou batizado;

[39]Bathi kuye: Singakwenza. UJesu wathi kubo: Isitsha engisiphuzayo mina niyakusiphuza, nibhapathizwe ngombhapathizo engibhapathizwa ngawo mina;

[40] quanto, porém, ao assentar-se à minha direita ou à minha esquerda, não me compete concedê-lo; porque é para aqueles a quem está preparado.

[40]kepha ukuhlala ngakwesokunene sami nangakwesokhohlo akusikho okwami ukuphana ngakho, kodwa kungokwalabo abakulungiselweyo.

[41] Ouvindo isto, indignaram-se os dez contra Tiago e João.

[41]Bathi ukuzwa lokho abayishumi, baqala ukuthukuthelela oJakobe noJohane.

[42] Mas Jesus, chamando-os para junto de si, disse-lhes: Sabeis que os que são considerados governadores dos povos têm-nos sob seu domínio, e sobre eles os seus maiorais exercem autoridade.

[42]UJesu wayesebabiza, wathi kubo: Niyazi ukuthi abathiwa babusa izizwe bazenza amakhosi phezu kwazo, nezikhulu zazo ziphethe amandla phezu kwazo.

[43] Mas entre vós não é assim; pelo contrário, quem quiser tornar-se grande entre vós, será esse o que vos sirva;

[43]Kepha akunjalo phakathi kwenu, kodwa yilowo nalowo ofuna ukuba mkhulu phakathi kwenu makabe yisikhonzi senu,

[44] e quem quiser ser o primeiro entre vós será servo de todos.

[44]nalowo ofuna ukuba ngowokuqala phakathi kwenu makabe yinceku yabo bonke.

[45] Pois o próprio Filho do Homem não veio para ser servido, mas para servir e dar a sua vida em resgate por muitos.

[45] Ngokuba nayo iNdodana yomuntu ayizelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi.

A cura do cego de Jericó

Mateus 20.29-34; Lucas 18.35-43

UBartimewu impumputhe

(Math. 20:29)

[46] E foram para Jericó. Quando ele saía de Jericó, juntamente com os discípulos e numerosa multidão, Bartimeu, cego mendigo, filho de Timeu, estava assentado à beira do caminho

[46]Khona bafika eJeriko. Kwathi esaphuma eJeriko nabafundi bakhe nesixuku esikhulu, indodana kaThimewu uBartimewu, isinxibi esiyimpumputhe, wayehlezi ngasendleleni.

[47] e, ouvindo que era Jesus, o Nazareno, pôs-se a clamar: Jesus, Filho de Davi, tem compaixão de mim!

[48] E muitos o repreendiam, para que se calasse; mas ele cada vez gritava mais: Filho de Davi, tem misericórdia de mim!

[49] Parou Jesus e disse: Chamai-o. Chamaram, então, o cego, dizendo-lhe: Tem bom ânimo; levanta-te, ele te chama.

[50] Lançando de si a capa, levantou-se de um salto e foi ter com Jesus.

[51] Perguntou-lhe Jesus: Que queres que eu te faça? Respondeu o cego: Mestre, que eu torne a ver.

[52] Então, Jesus lhe disse: Vai, a tua fé te salvou. E imediatamente tornou a ver e seguia a Jesus estrada fora.

[47]Wathi ukuba ezwe ukuthi nguJesu waseNazaretha, waqala ukumemeza ethi: Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele!

[48]Abaningi bamkhuza, bathi kathule; kepha kwayikhona wamemeza kakhulu, ethi: Ndodana kaDavide, ngihawukele!

[49]Wayesema uJesu, wathi: Mbizeni. Bayibiza impumputhe, bathi kuyo: Yima isibindi, usukume; uyakubiza.

[50]Yayisilahla ingubo yayo, yagxuma, yaya kuJesu.

[51]UJesu washo kuyo, wathi: Ufuna ukuba ngikwenzeleni na? Impumputhe yathi kuye: Rabuni, ukuba ngibone.

[52] UJesu wathi kuyo: Hamba-ke; ukukholwa kwakho kukusindisile. Yayisibona khona lapho, yamlandela endleleni.

Marcos 11

A entrada triunfal de Jesus em Jerusalém

Mateus 21.1-17; Lucas 19.28-40; João 12.12-19

[1] Quando se aproximavam de Jerusalém, de Betfagé e Betânia, junto ao monte das Oliveiras, enviou Jesus dois dos seus discípulos

[2] e disse-lhes: Ide à aldeia que aí está diante de vós e, logo ao entrar, achareis preso um jumentinho, o qual ainda ninguém montou; desprendei-o e trazei-o.

[3] Se alguém vos perguntar: Por que fazeis isso? Respondei: O SENHOR precisa dele e logo o mandará de volta para aqui.

NgokukaMarku 11

UJesu ungena eJerusalema

(Math. 21:1; Luk. 19:29; Joh. 12:12)

[1]Kwathi ukuba basondele eJerusalema, naseBetfage, naseBethaniya ngaseNtabeni Yeminqumo, wathuma ababili kubafundi bakhe,

[2]wathi kubo: Hambani niye emzaneni obhekene nani; kothi nisangena kuwo, nizakufumana ithole lembongolo likhulekiwe, okungakaze kuhlale muntu kulo; lithukululeni, nililethe.

[3]Uma umuntu ethi kini: Nikwenzelani lokhu na? anothi: INkosi iyalidinga; izakulibuyisela lapha masinyane.

[4] Então, foram e acharam o jumentinho preso, junto ao portão, do lado de fora, na rua, e o desprenderam.

[5] Alguns dos que ali estavam reclamaram: Que fazeis, soltando o jumentinho?

[6] Eles, porém, responderam conforme as instruções de Jesus; então, os deixaram ir.

[7] Levaram o jumentinho, sobre o qual puseram as suas vestes, e Jesus o montou.

[8] E muitos estendiam as suas vestes no caminho, e outros, ramos que haviam cortado dos campos.

[9] Tanto os que iam adiante dele como os que vinham depois clamavam: Hosana! Bendito o que vem em nome do SENHOR!

[10] Bendito o reino que vem, o reino de Davi, nosso pai! Hosana, nas maiores alturas!

[11] E, quando entrou em Jerusalém, no templo, tendo observado tudo, como fosse já tarde, saiu para Betânia com os doze.

A figueira sem fruto

Mateus 21.18-22

[12] No dia seguinte, quando saíram de Betânia, teve fome.

[13] E, vendo de longe uma figueira com folhas, foi ver se nela, porventura, acharia alguma coisa. Aproximando-se dela, nada achou, senão folhas; porque não era tempo de figos.

[14] Então, lhe disse Jesus: Nunca jamais coma alguém fruto de ti! E seus discípulos ouviram isto.

[4]Bahamba, bafumana ithole likhulekiwe ngasesangweni ngaphandle emgwaqweni; balithukulula.

[5]Abanye kwababemi khona bathi kubo: Nenzani nilithukulula ithole na?

[6]Basho kubo njengokusho kukaJesu; base bebayeka.

[7]Baliletha ithole kuJesu, babeka izingubo zabo phezu kwalo, wakhwela kulo.

[8]Abaningi bendlala izingubo zabo endleleni, abanye amahlamvu ababewagawule endle.

[9] Ababehamba phambili nababelandela bamemeza bathi: Hosiyana! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi.

[10]Ubusisiwe umbuso ozayo kababa uDavide. Hosiyana kweliphezulu!

[11]UJesu wangena eJerusalema, waya ethempelini; esekubukile konke waphuma, sekuhlwile, waya eBethaniya kanye nabayishumi nambili.

Ukuqalekiswa komkhiwane

(Math. 21:18; Luk. 19:45)

[12]Ngangomuso ekuphumeni kwabo eBethaniya walamba.

[13]Wabona umkhiwane ukude, unamaqabunga, wasondela ethi mhlawumbe angathola utho kuwo; esefikile kuwo akafumananga lutho, amaqabunga odwa, ngokuba kwakungesiso isikhathi samakhiwane.

[14]UJesu wakhuluma, wathi kuwo: Akungabe kusadla noyedwa isithelo kuwe kuze kube phakade. Abafundi bakhe bakuzwa.

A purificação do templo

Mateus 21.12-17; Lucas 19.45-48

[15] E foram para Jerusalém. Entrando ele no templo, passou a expulsar os que ali vendiam e compravam; derribou as mesas dos cambistas e as cadeiras dos que vendiam pombas.

[16] Não permitia que alguém conduzisse qualquer utensílio pelo templo;

[17] também os ensinava e dizia: Não está escrito: A minha casa será chamada casa de oração para todas as nações? Vós, porém, a tendes transformado em covil de salteadores.

[18] E os principais sacerdotes e escribas ouviam estas coisas e procuravam um modo de lhe tirar a vida; pois o temiam, porque toda a multidão se maravilhava de sua doutrina.

[19] Em vindo a tarde, saíram da cidade.

O poder da fé

[20] E, passando eles pela manhã, viram que a figueira secara desde a raiz.

[21] Então, Pedro, lembrando-se, falou: Mestre, eis que a figueira que amaldiçoaste secou.

[22] Ao que Jesus lhes disse: Tende fé em Deus;

[23] porque em verdade vos afirmo que, se alguém disser a este monte: Ergue-te e lança-te no mar, e não duvidar no seu coração, mas crer que se fará o que diz, assim será com ele.

Ukuhlanzwa kwethempeli

(Math. 21:12; Luk. 19:45)

[15]Bafika eJerusalema. Wangena ethempelini, waqala ukuxosha abathengisayo nabathengayo ethempelini, wagumbuqela amatafula abashintshelana imali nezihlalo zabathengisa ngamajuba;

[16]wayengavumi ukuba umuntu adabule ithempeli ethwele isitsha.

[17] Wafundisa, wathi kubo: Akulotshiwe yini ukuthi, indlu yami iyakubizwa ngokuthi indlu yokukhuleka yezizwe zonke na? Kepha nina niyenze Umhume wabaphangi.

[18]Abapristi abakhulu nababhali bekuzwa lokho bazindla ngokuthi bangambhubhisa kanjani, ngokuba babemesaba, lokhu isixuku sonke samangala ngokufundisa kwakhe.

[19]Njalo ngokuhlwa baphuma emzini.

[20]Kusasa bedlula babona umkhiwane ubunile kusukela ezimpandeni.

[21]UPetru ekhumbula wathi kuye: Rabi, bheka, umkhiwane owuqalekisileyo ubunile.

[22]UJesu waphendula, wathi kubo: Kholwani nguNkulunkulu.

[23]Ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo oyakuthi kule ntaba: Nqukuleka, uphonseke elwandle, engangabazi enhliziyweni yakhe kepha ekholwa ukuthi lokho akushoyo kuyenzeka, uzakuba nakho.

24 Por isso, vos digo que tudo quanto em oração pedirdes, crede que recebestes, e será assim convosco.

25 E, quando estiverdes orando, se tendes alguma coisa contra alguém, perdoai, para que vosso Pai celestial vos perdoe as vossas ofensas.

26 [Mas, se não perdoardes, também vosso Pai celestial não vos perdoará as vossas ofensas.]

A autoridade de Jesus e o batismo de João

Mateus 21.23-27; Lucas 20.1-8

27 Então, regressaram para Jerusalém. E, andando ele pelo templo, vieram ao seu encontro os principais sacerdotes, os escribas e os anciãos

28 e lhe perguntaram: Com que autoridade fazes estas coisas? Ou quem te deu tal autoridade para as fazeres?

29 Jesus lhes respondeu: Eu vos farei uma pergunta; respondei-me, e eu vos direi com que autoridade faço estas coisas.

30 O batismo de João era do céu ou dos homens? Respondei!

31 E eles discorriam entre si: Se dissermos: Do céu, dirá: Então, por que não acreditastes nele?

32 Se, porém, dissermos: dos homens, é de temer o povo. Porque todos consideravam a João como profeta.

33 Então, responderam a Jesus: Não sabemos. E Jesus, por sua vez, lhes disse: Nem eu tampouco vos digo com que autoridade faço estas coisas.

24 Ngalokho ngithi kini: Konke enikukhulekelayo nenikucelayo, kholwani ukuthi nikwamukele, nizakuba nakho.

25 Futhi nxa nimi nikhuleka, thethelelani, uma ninamagqubu nomunye, ukuze noYihlo osezulwini anithethelele iziphambeko zenu.

26 Kepha uma nina ningathetheleli, noYihlo osezulwini akayikunithethelela iziphambeko zenu.

Igunya likaJesu

(Math. 21:23; Luk. 20:1)

27 Babuye bafika eJerusalema; kwathi ehamba ethempelini, beza kuye abapristi abakhulu, nababhali, namalunga,

28 bathi kuye: Lokhu ukwenza ngagunya lini na? Ngubani okunike leli gunya ukuze wenze lokhu na?

29 Kepha uJesu wathi kubo: Ngizakunibuza izwi libe linye, nize ningiphendule; yikhona ngizakunitshela ukuthi ngenza lokhu ngagunya lini.

30 Ukubhapathiza kukaJohane kwavela ezulwini noma kubantu na? Ngiphenduleni.

31 Bakhulumisana bodwa, bathi: Uma sithi: Ezulwini, uzakuthi: Pho, anikholwanga nguye ngani na?

32 Kepha uma sithi: Kubantu, besaba isixuku, ngokuba bonke bathi uJohane ungumprofethi impela.

33 Base bemphendula uJesu, bathi: Asazi. Wayesethi uJesu kubo: Nami anginitsheli ukuthi ngenza lokhu ngagunya lini.

Marcos 12

A parábola dos lavradores maus
Mateus 21.33-46; Lucas 20.9-19

[1] Depois, entrou Jesus a falar-lhes por parábola: Um homem plantou uma vinha, cercou-a de uma sebe, construiu um lagar, edificou uma torre, arrendou-a a uns lavradores e ausentou-se do país.

[2] No tempo da colheita, enviou um servo aos lavradores para que recebesse deles dos frutos da vinha;

[3] eles, porém, o agarraram, espancaram e o despacharam vazio.

[4] De novo, lhes enviou outro servo, e eles o esbordoaram na cabeça e o insultaram.

[5] Ainda outro lhes mandou, e a este mataram. Muitos outros lhes enviou, dos quais espancaram uns e mataram outros.

[6] Restava-lhe ainda um, seu filho amado; a este lhes enviou, por fim, dizendo: Respeitarão a meu filho.

[7] Mas os tais lavradores disseram entre si: Este é o herdeiro; ora, vamos, matemo-lo, e a herança será nossa.

[8] E, agarrando-o, mataram-no e o atiraram para fora da vinha.

[9] Que fará, pois, o dono da vinha? Virá, exterminará aqueles lavradores e passará a vinha a outros.

[10] Ainda não lestes esta Escritura: A pedra que os construtores rejeitaram, essa veio a ser a principal pedra, angular;

NgokukaMarku 12

Umfanekiso wabalimi besivini
(Math. 21:33; Luk. 20:9)

[1] Wayeseqala ukukhuluma kubo ngemifanekiso, ethi: Umuntu watshala isivini, wasibiyela ngothango, wemba isikhamo, wakha isiqongo sokulinda, wasiqashisa kubalimi, waya kwelinye izwe.

[2]Ngenkathi efaneleyo wayesethuma inceku kubalimi ukuba ithathe kubalimi ezithelweni zesivini.

[3]Bayibamba, bayishaya, bayimukisa ze.

[4]Waphinda wathuma kubo enye inceku; yona bayilimaza ekhanda, bayithuka.

[5]Wathuma enye futhi; yona bayibulala, nezinye eziningi: ezinye bazishaya, ezinye bazibulala.

[6] Kwase kusele umuntu munye, indodana ethandekayo; yona wayithuma kubo ekugcineni, ethi: Bayakuyazisa indodana yami.

[7] Kepha labo balimi bakhuluma bodwa, bathi: Lo uyindlalifa; wozani siyibulale, ifa libe ngelethu.

[8]Base beyibamba bayibulala, bayiphonsa ngaphandle kwesivini.

[9] Uzakwenzani umninisivini na? Uzakuza, ababhubhise labo balimi, isivini asinike abanye.

[10] Aniwufundanga yini lo mbhalo othi: Itshe abalinqabayo abakhi lona laba yinhloko yegumbi;

[11] isto procede do SENHOR, e é maravilhoso aos nossos olhos?

[12] E procuravam prendê-lo, mas temiam o povo; porque compreenderam que contra eles proferira esta parábola. Então, desistindo, retiraram-se.

A questão do tributo

Mateus 22.15-22; Lucas 20.19-26

[13] E enviaram-lhe alguns dos fariseus e dos herodianos, para que o apanhassem em alguma palavra.

[14] Chegando, disseram-lhe: Mestre, sabemos que és verdadeiro e não te importas com quem quer que seja, porque não olhas a aparência dos homens; antes, segundo a verdade, ensinas o caminho de Deus; é lícito pagar tributo a César ou não? Devemos ou não devemos pagar?

[15] Mas Jesus, percebendo-lhes a hipocrisia, respondeu: Por que me experimentais? Trazei-me um denário para que eu o veja.

[16] E eles lho trouxeram. Perguntou-lhes: De quem é esta efígie e inscrição? Responderam: De César.

[17] Disse-lhes, então, Jesus: Dai a César o que é de César e a Deus o que é de Deus. E muito se admiraram dele.

Os saduceus e a ressurreição

Mateus 22.23-33; Lucas 20.27-40

[18] Então, os saduceus, que dizem não haver ressurreição, aproximaram-se dele e lhe perguntaram, dizendo:

[19] Mestre, Moisés nos deixou escrito que, se morrer o irmão de alguém e deixar mulher sem filhos, seu irmão a tome como esposa e suscite descendência a seu irmão.

[11]lona lavela eNkosini; liyisimangaliso emehlweni ethu, na?

[12]Base befuna ukumbamba, kepha besaba isixuku; ngokuba bazi ukuthi ukhulume lo mfanekiso ngabo. Base bemshiya bamuka.

Intela kaKesari

(Math. 22:15; Luk. 20:19)

[13]Khona abanye babaFarisi nabakaHerode bathunyelwa kuye ukuba bamhile ngezwi.

[14]Beza bathi kuye: Mfundisi, siyazi ukuthi uqinisile nokuthi awukhathali ngamuntu, ngokuba awubheki ubuso babantu, kodwa indlela kaNkulunkulu uyifundisa ngeqiniso. Kuvunyelwe ukuthela kuKesari noma qha? Sithele nokuba singatheli na?

[15]Kepha yena ekwazi ukuzenzisa kwabo wathi kubo: Ningilingelani na? Lethani kimi udenariyu, ngimbone.

[16]Bamletha. Wayesethi kubo: Ngokabani lo mfanekiso nalo mbhalo na? Bathi kuye: NgokaKesari.

[17]UJesu wathi kubo: Nikani uKesari okukaKesari, noNkulunkulu okukaNkulunkulu. Bamangala ngaye.

Ukuvuka kwabafileyo

(Math. 22:23; Luk. 20:27)

[18]Khona kwafika kuye abaSadusi abathi akukho ukuvuka kwabafileyo, bambuza bathi:

[19] Mfundisi, uMose wasilobela ukuthi, uma kufa umfowabo womuntu, eshiya umkakhe engashiyi mntwana, umfowabo

makamthathe umkakhe, amvusele umfowabo inzalo.

[20] Ora, havia sete irmãos; o primeiro casou e morreu sem deixar descendência;

[20]Kwakukhona izelamani eziyisikhombisa, owokuqala wathatha umfazi; wafa engashiyanga nzalo.

[21] o segundo desposou a viúva e morreu, também sem deixar descendência; e o terceiro, da mesma forma.

[21]Nowesibili wamthatha; naye wafa engashiyanga nzalo; kanjalo nowesithathu.

[22] E, assim, os sete não deixaram descendência. Por fim, depois de todos, morreu também a mulher.

[22]Abayisikhombisa kabashiyanga nzalo. Ekugcineni kwabo bonke kwafa nomfazi.

[23] Na ressurreição, quando eles ressuscitarem, de qual deles será ela a esposa? Porque os sete a desposaram.

[23]Ekuvukeni mhla bevukayo uyakuba ngumkabani kubo, lokhu abayisikhombisa babe naye engumkabo, na?

[24] Respondeu-lhes Jesus: Não provém o vosso erro de não conhecerdes as Escrituras, nem o poder de Deus?

[24]UJesu wathi kubo: Angithi nidukile ngenxa yokuba ningayazi imibhalo namandla kaNkulunkulu na?

[25] Pois, quando ressuscitarem de entre os mortos, nem casarão, nem se darão em casamento; porém, são como os anjos nos céus.

[25]Ngokuba mhla bevuka kwabafileyo abaganwa, abendiswa, kodwa banjengezingelosi ezulwini.

[26] Quanto à ressurreição dos mortos, não tendes lido no Livro de Moisés, no trecho referente à sarça, como Deus lhe falou: Eu sou o Deus de Abraão, o Deus de Isaque e o Deus de Jacó?

[26] Kepha maqondana nabafileyo ukuthi bayavuswa anifundanga yini encwadini kaMose ngesihlahla ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kuye, wathi: NginguNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, na?

[27] Ora, ele não é Deus de mortos, e sim de vivos. Laborais em grande erro.

[27] Akasiye uNkulunkulu wabafileyo kodwa owabaphilayo. Nidukile kakhulu.

O grande mandamento

Mateus 22.34-40; Lucas 10.25-28

[28] Chegando um dos escribas, tendo ouvido a discussão entre eles, vendo como Jesus lhes houvera respondido bem, perguntou-

Umyalo wokuqala

(Math. 22:34)

[28]Kwase kusondela omunye wababhali owayebezwile bebuzana, eqonda ukuthi wayebaphendule kahle, wambuza wathi:

lhe: Qual é o principal de todos os mandamentos?

[29] Respondeu Jesus: O principal é: Ouve, ó Israel, o SENHOR, nosso Deus, é o único SENHOR!

[30] Amarás, pois, o SENHOR, teu Deus, de todo o teu coração, de toda a tua alma, de todo o teu entendimento e de toda a tua força.

[31] O segundo é: Amarás o teu próximo como a ti mesmo. Não há outro mandamento maior do que estes.

[32] Disse-lhe o escriba: Muito bem, Mestre, e com verdade disseste que ele é o único, e não há outro senão ele,

[33] e que amar a Deus de todo o coração e de todo o entendimento e de toda a força, e amar ao próximo como a si mesmo excede a todos os holocaustos e sacrifícios.

[34] Vendo Jesus que ele havia respondido sabiamente, declarou-lhe: Não estás longe do reino de Deus. E já ninguém mais ousava interrogá-lo.

O Cristo, filho de Davi

Mateus 22.41-46; Lucas 20.41-44

[35] Jesus, ensinando no templo, perguntou: Como dizem os escribas que o Cristo é filho de Davi?

[36] O próprio Davi falou, pelo Espírito Santo: Disse o SENHOR ao meu SENHOR: Assenta-te à minha direita, até que eu

Ngumuphi umyalo wokuqala kuyo yonke na?

[29] UJesu waphendula wathi: Owokuqala ngowokuthi: Yizwa, iNkosi uNkulunkulu wethu, iNkosi, yinye.

[30]Woyithanda iNkosi, uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho, nangawo onke amandla akho.

[31] Owesibili yilo: Womthanda umakhelwame wakho njengalokhu uzithanda wena. Awukho omunye umyalo omkhulu kunale.

[32] Umbhali wayesethi kuye: Yebo, Mfundisi, ushilo ngeqiniso ukuthi yinye, ayikho enye ngaphandle kwayo;

[33] futhi ukuyithanda yona ngenhliziyo yonke, nangengqondo yonke, nangamandla onke, nokuthanda umakhelwane njengalokhu umuntu ezithanda yena kudlula yonke iminikelo yokushiswa nemihlatshelo.

[34]UJesu embona ukuthi uphendule ngokuqonda, wathi kuye: Awukude nombuso kaNkulunkulu. Akwabe kusabakho onesibindi sokumbuza.

UMesiya nemvelo yakhe

(Math. 22:41; Luk. 20:41)

[35]Khona uJesu efundisa ethempelini wabuza wathi: Basho kanjani ababhali ukuthi uKristu uyindodana kaDavide na?

[36] UDavide uqobo lwakhe washo ngoMoya oNgcwele ukuthi: INkosi yathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami, ngize

ponha os teus inimigos debaixo dos teus pés.

[37] O mesmo Davi chama-lhe SENHOR; como, pois, é ele seu filho? E a grande multidão o ouvia com prazer.

Jesus censura os escribas
Mateus 23.1-7,14; Lucas 20.45-47

[38] E, ao ensinar, dizia ele: Guardai-vos dos escribas, que gostam de andar com vestes talares e das saudações nas praças;

[39] e das primeiras cadeiras nas sinagogas e dos primeiros lugares nos banquetes;

[40] os quais devoram as casas das viúvas e, para o justificar, fazem longas orações; estes sofrerão juízo muito mais severo.

A oferta da viúva pobre
Lucas 21.1-4

[41] Assentado diante do gazofilácio, observava Jesus como o povo lançava ali o dinheiro. Ora, muitos ricos depositavam grandes quantias.

[42] Vindo, porém, uma viúva pobre, depositou duas pequenas moedas correspondentes a um quadrante.

[43] E, chamando os seus discípulos, disse-lhes: Em verdade vos digo que esta viúva pobre depositou no gazofilácio mais do que o fizeram todos os ofertantes.

[44] Porque todos eles ofertaram do que lhes sobrava; ela, porém, da sua pobreza deu tudo quanto possuía, todo o seu sustento.

ngibeke izitha zakho phansi kwezinyawo zakho.

[37] UDavide uqobo lwakhe umbiza ngokuthi iNkosi. Pho, uyindodana yakhe kanjani na?

Ukusolwa kwababhali
(Math. 23: 1; Luk. 20: 45)

Isixuku esikhulu sasimuzwa ngokujabula.

[38]Ekufundiseni kwakhe wathi: Xwayani ababhali abathanda ukuhamba bembethe izingubo ezinde, nokubingelelwa ezigcawini,

[39]nezihlalo eziphambili emasinagogeni, nezindawo ezingenhla ekudleni,

[40]abadla izindlu zabafelokazi, bekhuleka isikhathi eside ngokuzenzisa; laba bayakwamukeliswa ukulahlwa okukhulu.

Umnikelo womfelokazi
(Luk. 21:1)

[41]Wayesehlala phansi maqondana nomphongolo womnikelo, wabuka isixuku sibeka umnikelo emphongolweni. Abaningi abacebileyo babeka kakhulu.

[42]Kwase kufika umfelokazi ompofu wabeka amafadingi amabili okuyisitebela.

[43]Wayesebabiza abafundi bakhe, wathi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Lo mfelokazi ompofu ubekile kakhulu kunabo bonke ababeke emphongolweni,

[44]ngokuba bonke babeka kokuchichimileyo kwabo, kepha yena ebumpofini bakhe ubeke konke anakho, konke abephila ngakho.

Marcos 13

O sermão profético

A destruição do templo

Mateus 24.1-2; Lucas 21.5-6

[1] Ao sair Jesus do templo, disse-lhe um de seus discípulos: Mestre! Que pedras, que construções!

[2] Mas Jesus lhe disse: Vês estas grandes construções? Não ficará pedra sobre pedra, que não seja derribada.

O princípio das dores

Mateus 24.3-14; Lucas 21.7-19

[3] No monte das Oliveiras, defronte do templo, achava-se Jesus assentado, quando Pedro, Tiago, João e André lhe perguntaram em particular:

[4] Dize-nos quando sucederão estas coisas, e que sinal haverá quando todas elas estiverem para cumprir-se.

[5] Então, Jesus passou a dizer-lhes: Vede que ninguém vos engane.

[6] Muitos virão em meu nome, dizendo: Sou eu; e enganarão a muitos.

[7] Quando, porém, ouvirdes falar de guerras e rumores de guerras, não vos assusteis; é necessário assim acontecer, mas ainda não é o fim.

[8] Porque se levantará nação contra nação, e reino, contra reino. Haverá terremotos em vários lugares e também fomes. Estas coisas são o princípio das dores.

[9] Estai vós de sobreaviso, porque vos entregarão aos tribunais e às sinagogas; sereis açoitados, e vos farão comparecer à

NgokukaMarku 13

Ukuchithwa kweJerusalema nokufika kweNdodana yomuntu

(Math. 24:1; Luk. 21:5)

[1]Kuthe ephuma ethempelini, omunye wabafundi bakhe wathi kuye: Mfundisi, bheka amatshe anjani nezakhiwo ezinjani!

[2] UJesu wathi kuye: Uyabona lezi zakhiwo ezinkulu na? Akuyikushiywa itshe phezu kwetshe elingayikudilizelwa phansi.

[3]Esahlezi eNtabeni Yeminqumo maqondana nethempeli, oPetru noJakobe noJohane no-Andreya bambuza bebodwa,

[4]bathi: Sitshele ukuthi lokhu kuyakuba nini, nesibonakaliso siyakuba yini, lapho sekuyakufezeka konke lokhu, na?

[5]Khona uJesu waqala ukukhuluma kubo, ethi: Qaphelani ningadukiswa muntu.

[6]Kuyakuza abaningi ngegama lami, bathi: Nginguye, badukise abaningi.

[7]Nxa nizwa izimpi namahemuhemu ezimpi, ningethuki; kumelwe ukuba kwenzeke, kepha ukuphela koba kungakafiki.

[8]Ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso; kuyakuba khona ukuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo, kube khona indlala; lokhu kungukuqala kwemihelo.

[9] Kepha ziqapheleni nina. Bayakunikhaphela emiphakathini; niyakushaywa emasinagogeni;

presença de governadores e reis, por minha causa, para lhes servir de testemunho.

niyakumiswa phambi kwababusi namakhosi ngenxa yami, kube ngubufakazi kubo.

10 Mas é necessário que primeiro o evangelho seja pregado a todas as nações.

10Kepha ivangeli limelwe ukushunyayelwa kuqala ezizweni zonke.

11 Quando, pois, vos levarem e vos entregarem, não vos preocupeis com o que haveis de dizer, mas o que vos for concedido naquela hora, isso falai; porque não sois vós os que falais, mas o Espírito Santo.

11 Uma beniqhuba, benikhaphela, ningakhathaleli ngaphambili eniyakukukhuluma, kodwa lokho eniyakukunikwa ngaleso sikhathi, kukhulumeni; ngokuba kakunina enikhulumayo kodwa nguMoya oNgcwele.

12 Um irmão entregará à morte outro irmão, e o pai, ao filho; filhos haverá que se levantarão contra os progenitores e os matarão.

12 Khona umuntu uyakukhaphela umfowabo ekufeni noyise umntanakhe, yebo, abantwana bayakuvukela abazali babo, bababulale.

13 Sereis odiados de todos por causa do meu nome; aquele, porém, que perseverar até ao fim, esse será salvo.

13Niyakuzondwa yibo bonke ngenxa yegama lami, kodwa okhuthazelayo kuze kube sekupheleni nguyena oyakusindiswa.

A grande tribulação

Mateus 24.15-28; Lucas 21.20-24

14 Quando, pois, virdes o abominável da desolação situado onde não deve estar (quem lê entenda), então, os que estiverem na Judéia fujam para os montes;

14 Kepha nxa nibona amanyala encithakalo emi lapho kungafanele khona -- ofundayo makaqaphele -- khona abaseJudiya mababalekele ezintabeni,

15 quem estiver em cima, no eirado, não desça nem entre para tirar da sua casa alguma coisa;

15ophezu kwendlu angehli, angangeni ukuyothatha utho endlini yakhe,

16 e o que estiver no campo não volte atrás para buscar a sua capa.

16osensimini angabuyeli emuva ukuyothatha ingubo yakhe.

17 Ai das que estiverem grávidas e das que amamentarem naqueles dias!

17Kepha maye kwabakhulelweyo nabancelisayo ngalezo zinsuku!

18 Orai para que isso não suceda no inverno.

18Khulekani ukuba kungabi sebusika.

19 Porque aqueles dias serão de tamanha tribulação como nunca houve desde o

19 Ngokuba lezo zinsuku ziyakuba nosizi olungazange lube khona olunjalo kwasekuqaleni kokudalwa akudalayo

princípio do mundo, que Deus criou, até agora e nunca jamais haverá.

uNkulunkulu kuze kube manje, nolungasayikuba khona.

[20] Não tivesse o SENHOR abreviado aqueles dias, e ninguém se salvaria; mas, por causa dos eleitos que ele escolheu, abreviou tais dias.

[20]Uma iNkosi ibingazifinyezi lezo zinsuku, bekungesindiswe muntu, kepha ngenxa yabakhethiweyo eyabakhetha yazifinyeza lezo zinsuku.

[21] Então, se alguém vos disser: Eis aqui o Cristo! Ou: Ei-lo ali! Não acrediteis;

[21]Khona-ke uma umuntu ethi kini: Bhekani, nangu uKristu, noma: Bhekani, nanguya, ningakholwa.

[22] pois surgirão falsos cristos e falsos profetas, operando sinais e prodígios, para enganar, se possível, os próprios eleitos.

[22] Ngokuba kuyakuvela okristu bamanga nabaprofethi bamanga, benze izibonakaliso nezimangaliso, ukuze badukise abakhethiweyo, uma kungenzeka.

[23] Estai vós de sobreaviso; tudo vos tenho predito.

[23]Kepha qaphelani nina; senginitshele konke ngaphambili.

A vinda do Filho do Homem

Mateus 24.29-31; Lucas 21.25-28

[24] Mas, naqueles dias, após a referida tribulação, o sol escurecerá, a lua não dará a sua claridade,

[24] Kodwa ngalezo zinsuku emva kwalolo sizi ilanga liyakufiphazwa, nenyanga ayiyikukhanya,

[25] as estrelas cairão do firmamento, e os poderes dos céus serão abalados.

[25]nezinkanyezi ziyakuwa ezulwini, namandla asezulwini ayakuzanyazanyiswa.

[26] Então, verão o Filho do Homem vir nas nuvens, com grande poder e glória.

[26] Khona-ke bayakubona iNdodana yomuntu iza emafwini, inamandla amakhulu nenkazimulo.

[27] E ele enviará os anjos e reunirá os seus escolhidos dos quatro ventos, da extremidade da terra até à extremidade do céu.

[27]Lapho iyakuthuma izingelosi, iqoqe abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni womhlaba kuze kube semkhawulweni wezulu.

A parábola da figueira. Exortação à vigilância

Mateus 24.32-44; Lucas 21.29-36

[28] Aprendei, pois, a parábola da figueira: quando já os seus ramos se renovam, e as

[28] Fundani umfanekiso emkhiwaneni; nxa igatsha lawo selithamba, lihlume

folhas brotam, sabeis que está próximo o verão.

[29] Assim, também vós: quando virdes acontecer estas coisas, sabei que está próximo, às portas.

[30] Em verdade vos digo que não passará esta geração sem que tudo isto aconteça.

[31] Passará o céu e a terra, porém as minhas palavras não passarão.

[32] Mas a respeito daquele dia ou da hora ninguém sabe; nem os anjos no céu, nem o Filho, senão o Pai.

[33] Estai de sobreaviso, vigiai [e orai]; porque não sabeis quando será o tempo.

[34] É como um homem que, ausentando-se do país, deixa a sua casa, dá autoridade aos seus servos, a cada um a sua obrigação, e ao porteiro ordena que vigie.

[35] Vigiai, pois, porque não sabeis quando virá o dono da casa: se à tarde, se à meia-noite, se ao cantar do galo, se pela manhã;

[36] para que, vindo ele inesperadamente, não vos ache dormindo.

[37] O que, porém, vos digo, digo a todos: vigiai!

Marcos 14

O plano para tirar a vida de Jesus

Mateus 26.1-5; Lucas 22.1-2

[1] Dali a dois dias, era a Páscoa e a Festa dos Pães Asmos; e os principais sacerdotes e os escribas procuravam como o prenderiam, à traição, e o matariam.

amaqabunga, niyazi ukuthi ihlobo seliseduze.

[29]Kanjalo nani, nxa nibona lokhu kwenzeka, yazini ukuthi iseduze ngasemnyango.

[30]Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikudlula, kungakenzeki konke lokhu.

[31]Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awayikudlula.

[32] Kepha lolo suku nalelo hora akakho owazi lutho ngalo, nazingelosi ezulwini, naNdodana, nguBaba kuphela.

[33]Qaphelani, nilinde, ngokuba anisazi isikhathi ukuthi siyakuba nini.

[34]Kunjengomuntu owahambela kwelinye izwe; washiya indlu yakhe, wanika izinceku zakhe amandla, yileyo naleyo wayinika umsebenzi wayo, wayala umlindisango ukuba alinde.

[35] Ngakho lindani, ngokuba anazi ukuthi inkosi yendlu iyakufika nini, noma ngokuhlwa, noma phakathi kobusuku, noma ngokukhala kwezinkuku, noma ekuseni,

[36]funa ifike ngokuzuma, inifumane nilele.

[37]Kepha lokhu engikusho kini ngikusho kubo bonke, ngithi: Lindani.

NgokukaMarku 14

Jesu ugcotshwa eBethaniya

(Math. 26:1, 6; Luk. 22:1; Joh. 12:1)

[1]Emva kwezinsuku ezimbili kwaba khona iPhasika nomkhosi wesinkwa esingenamvubelo; abapristi abakhulu

nababhali bafuna isu lokumbamba ngobuqili, bambulale.

[2] Pois diziam: Não durante a festa, para que não haja tumulto entre o povo.

[2]Ngakho bathi: Makungabi ngomkhosi, kungaze kube khona isiyaluyalu esizweni.

Jesus ungido em Betânia

Mateus 26.6-13; João 12.1-8

[3] Estando ele em Betânia, reclinado à mesa, em casa de Simão, o leproso, veio uma mulher trazendo um vaso de alabastro com preciosíssimo perfume de nardo puro; e, quebrando o alabastro, derramou o bálsamo sobre a cabeça de Jesus.

[3]Kwathi eseBethaniya endlini kaSimoni owayenochoko, ehlezi ekudleni, kwafika owesifazane ephethe umfuma we-alabaste wamafutha enadi lodwa elibiza kakhulu; wachoboza umfuma wathela amafutha ekhanda lakhe.

[4] Indignaram-se alguns entre si e diziam: Para que este desperdício de bálsamo?

[4]Kepha kwakukhona abanye abakhuluma bodwa ngokuthukuthela, bethi: Kwenzelweni lokho kuchithwa kwamafutha na?

[5] Porque este perfume poderia ser vendido por mais de trezentos denários e dar-se aos pobres. E murmuravam contra ela.

[5]Ngokuba lawa mafutha nga ethengisiwe ngawodenariyu abangaphezu kwamakhulu amathathu, kwaphiwa abampofu. Bamthukuthelela kakhulu.

[6] Mas Jesus disse: Deixai-a; por que a molestais? Ela praticou boa ação para comigo.

[6]Kepha uJesu wathi: Myekeni; nimhluphelani na? Usebenzile umsebenzi omuhle kimi.

[7] Porque os pobres, sempre os tendes convosco e, quando quiserdes, podeis fazer-lhes bem, mas a mim nem sempre me tendes.

[7]Ngokuba abampofu ninabo njalo; nanini, uma nithanda, ningabenzela okuhle: kepha mina aninami njalo.

[8] Ela fez o que pôde: antecipou-se a ungir-me para a sepultura.

[8]Wenzile abengakwenza; wandulele ukuwugcobela umzimba wami ukumbelwa.

[9] Em verdade vos digo: onde for pregado em todo o mundo o evangelho, será também contado o que ela fez, para memória sua.

[9]Ngiqinisile ngithi kini: Nomaphi lapho liyakushunyayelwa khona ivangeli ezweni lonke, kuyakukhulunywa nangalokho akwenzileyo, kube yisikhumbuzo ngaye.

O pacto da traição

Mateus 26.14-16; Lucas 22.3-6

Umvuzo wokumkhaphela uJesu

(Math. 26:14; Luk. 22:3)

[10] E Judas Iscariotes, um dos doze, foi ter com os principais sacerdotes, para lhes entregar Jesus.

[11] Eles, ouvindo-o, alegraram-se e lhe prometeram dinheiro; nesse meio tempo, buscava ele uma boa ocasião para o entregar.

Os discípulos preparam a Páscoa

Mateus 26.17-19; Lucas 22.7-13

[12] E, no primeiro dia da Festa dos Pães Asmos, quando se fazia o sacrifício do cordeiro pascal, disseram-lhe seus discípulos: Onde queres que vamos fazer os preparativos para comeres a Páscoa?

[13] Então, enviou dois dos seus discípulos, dizendo-lhes: Ide à cidade, e vos sairá ao encontro um homem trazendo um cântaro de água;

[14] segui-o e dizei ao dono da casa onde ele entrar que o Mestre pergunta: Onde é o meu aposento no qual hei de comer a Páscoa com os meus discípulos?

[15] E ele vos mostrará um espaçoso cenáculo mobilado e pronto; ali fazei os preparativos.

[16] Saíram, pois, os discípulos, foram à cidade e, achando tudo como Jesus lhes tinha dito, prepararam a Páscoa.

O traidor é indicado

Mateus 26.20-25

[17] Ao cair da tarde, foi com os doze.

[18] Quando estavam à mesa e comiam, disse Jesus: Em verdade vos digo que um dentre vós, o que come comigo, me trairá.

[10]UJuda Iskariyothe, omunye wabayishumi nambili, wayeseya kubapristi abakhulu ukuba amkhaphele kubo.

[11]Sebezwile bathokoza, bathembisa ukumnika imali. Wayesefuna ithuba lokumkhaphela.

Ukumiswa kwesidlo esingcwele

(Math. 26:17; Luk. 22:7; Joh. 13:21)

[12] Ngosuku lokuqala lwesinkwa esingenamvubelo okwakuhlatshwa ngalo iphasika abafundi bakhe bathi kuye: Uthanda ukuba siye silungiselephi ukuba udle iphasika na?

[13]Wayesethuma ababili kubafundi bakhe, wathi kubo: Hambani niye emzini; khona nizakuhlangana nomuntu othwele imbiza yamanzi; mlandeleni.

[14]Lapho engena khona, anothi kumninindlu: Uthi uMfundisi: Iphi indlu yami, lapho ngingadlela khona iphasika nabafundi bami, na?

[15]Yena uzakunikhombisa ikamelo elikhulu eliphezulu, elendlelweyo, lilungisiwe; silungiseleni khona.

[16]Bahamba abafundi bafika emzini, bafumana kunjengokusho kwakhe kubo; base belungisa iphasika.

[17]Kusihlwa wafika nabayishumi nambili.

[18] Sebehlezi ekudleni, uJesu wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Omunye kini, odla nami, uzakungikhaphela.

[19] E eles começaram a entristecer-se e a dizer-lhe, um após outro: Porventura, sou eu?

[19]Baqala ukudabuka, bathi kuye ngamunye: Kungaba yimi na?

[20] Respondeu-lhes: É um dos doze, o que mete comigo a mão no prato.

[20]Wathi kubo: Ngomunye wabayishumi nambili, okha kanye nami esitsheni.

[21] Pois o Filho do Homem vai, como está escrito a seu respeito; mas ai daquele por intermédio de quem o Filho do Homem está sendo traído! Melhor lhe fora não haver nascido!

[21]INdodana yomuntu iyamuka kambe njengokulotshiwe ngayo, kepha maye kulowo muntu iNdodana yomuntu ekhashelwa ngaye! Nga kukuhle kulowo muntu ukuba kazalwanga.

A Ceia do Senhor

Mateus 26.26-30; Lucas 22.19-23; 1 Coríntios 11.23-25

[22] E, enquanto comiam, tomou Jesus um pão e, abençoando-o, o partiu e lhes deu, dizendo: Tomai, isto é o meu corpo.

[22] Kwathi besadla, uJesu wathabatha isinkwa, wasibusisa, wasihlephula, wabanika, wathi: Thabathani nidle; lokhu kungumzimba wami.

[23] A seguir, tomou Jesus um cálice e, tendo dado graças, o deu aos seus discípulos; e todos beberam dele.

[23]Wayesethabatha isitsha, wabonga, wabanika; baphuza kuso bonke.

[24] Então, lhes disse: Isto é o meu sangue, o sangue da [nova] aliança, derramado em favor de muitos.

[24] Wathi kubo: Lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi.

[25] Em verdade vos digo que jamais beberei do fruto da videira, até àquele dia em que o hei de beber, novo, no reino de Deus.

[25]Ngiqinisile ngithi kini: Angisayikuphuza okwesithelo somvini, kuze kufike lolo suku engiyakusiphuza ngalo sisisha embusweni kaNkulunkulu.

[26] Tendo cantado um hino, saíram para o monte das Oliveiras.

[26]Kwathi sebehlabelele igama lokubonga, baphuma baya eNtabeni Yeminqumo.

Pedro é avisado

Mateus 26.31-35; Lucas 22.31-34; João 13.36-38

[27] Então, lhes disse Jesus: Todos vós vos escandalizareis, porque está escrito: Ferirei o pastor, e as ovelhas ficarão dispersas.

[27] UJesu wathi kubo: Nonke nizakukhubeka, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ngiyakushaya umalusi, izimvu zihlakazeke.

[28] Mas, depois da minha ressurreição, irei adiante de vós para a Galiléia.

[28]Kepha emva kokuvuswa kwami ngiyakunandulela ukuya eGalile.

[29] Disse-lhe Pedro: Ainda que todos se escandalizem, eu, jamais!

[30] Respondeu-lhe Jesus: Em verdade te digo que hoje, nesta noite, antes que duas vezes cante o galo, tu me negarás três vezes.

[31] Mas ele insistia com mais veemência: Ainda que me seja necessário morrer contigo, de nenhum modo te negarei. Assim disseram todos.

Jesus no Getsêmani

Mateus 26.36-46; Lucas 22.39-46

[32] Então, foram a um lugar chamado Getsêmani; ali chegados, disse Jesus a seus discípulos: Assentai-vos aqui, enquanto eu vou orar.

[33] E, levando consigo a Pedro, Tiago e João, começou a sentir-se tomado de pavor e de angústia.

[34] E lhes disse: A minha alma está profundamente triste até à morte; ficai aqui e vigiai.

[35] E, adiantando-se um pouco, prostrou-se em terra; e orava para que, se possível, lhe fosse poupada aquela hora.

[36] E dizia: Aba, Pai, tudo te é possível; passa de mim este cálice; contudo, não seja o que eu quero, e sim o que tu queres.

[37] Voltando, achou-os dormindo; e disse a Pedro: Simão, tu dormes? Não pudeste vigiar nem uma hora?

[38] Vigiai e orai, para que não entreis em tentação; o espírito, na verdade, está pronto, mas a carne é fraca.

[29]UPetru wathi kuye: Noma beyakukhubeka bonke, hhayi mina.

[30]UJesu wathi kuye: Ngiqinisile ngithi kuwe: Namhlanje ngalobu busuku, lingakakhali kabili iqhude, uzakungiphika kathathu.

[31]Kepha waqinisa ngamandla, wathi: Noma ngingaze ngife nawe, angisoze ngakuphika. Basho njalo bonke.

EGetsemane

(Math. 26:36; Luk. 22:39)

[32]Bafika endaweni ethiwa iGetsemane; wathi kubafundi bakhe: Hlalani lapha, ngisaya kukhuleka.

[33]Wathatha oPetru noJakobe noJohane, waqala ukuba novalo nosizi.

[34]Wathi kubo: Umphefumulo wami ulusizi kakhulu kuze kube sekufeni; hlalani lapha, nilinde.

[35]Waqhubeka ingcosana, wawa phansi, wakhuleka ukuba, uma kungenzeka, kudlule kuye lo mzuzu.

[36]Wathi: Aba, Baba, konke kungenzeka kuwe; ake ususe kimi lesi sitsha, kepha kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena.

[37]Wayeseza, wabafumana belele; wathi kuPetru: Simoni, ulele na? Ubungelinde ihora libe linye na?

[38]Lindani, nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni; umoya uyavuma, kepha inyama ibuthakathaka.

[39] Retirando-se de novo, orou repetindo as mesmas palavras.

[40] Voltando, achou-os outra vez dormindo, porque os seus olhos estavam pesados; e não sabiam o que lhe responder.

[41] E veio pela terceira vez e disse-lhes: Ainda dormis e repousais! Basta! Chegou a hora; o Filho do Homem está sendo entregue nas mãos dos pecadores.

[42] Levantai-vos, vamos! Eis que o traidor se aproxima.

Jesus é preso

Mateus 26.47-56; Lucas 22.47-53; João 18.1-11

[43] E logo, falava ele ainda, quando chegou Judas, um dos doze, e com ele, vinda da parte dos principais sacerdotes, escribas e anciãos, uma turba com espadas e porretes.

[44] Ora, o traidor tinha-lhes dado esta senha: Aquele a quem eu beijar, é esse; prendei-o e levai-o com segurança.

[45] E, logo que chegou, aproximando-se, disse-lhe: Mestre! E o beijou.

[46] Então, lhe deitaram as mãos e o prenderam.

[47] Nisto, um dos circunstantes, sacando da espada, feriu o servo do sumo sacerdote e cortou-lhe a orelha.

[48] Disse-lhes Jesus: Saístes com espadas e porretes para prender-me, como a um salteador?

[49] Todos os dias eu estava convosco no templo, ensinando, e não me prendestes;

[39]Wabuye wasuka waya kukhuleka, esho lona lelo zwi.

[40]Esebuya futhi wabafumana belele, ngokuba amehlo abo ayenzima; babengazi ukuthi bazakumphendula ngokuthini.

[41]Weza ngokwesithathu, wathi kubo: Nisalele namanje niphumula. Kwanele, ihora lifikile; bhekani, iNdodana yomuntu isiyakhashelwa ezandleni zezoni.

[42]Sukumani sihambe. Bhekani, ongikhaphelayo usesondele.

Ukuboshwa kukaJesu nokuthethwa kwecala phambi kompristi omkhulu

(Math. 26:47; Luk. 22:47; Joh. 18:2)

[43]Khona masinyane esakhuluma, kwafika uJuda, omunye wabayishumi nambili, enesixuku esinezinkemba nezinduku, sivela kubapristi abakhulu nababhali namalunga.

[44]Kepha omkhaphelayo wayebanike isiboniso sokuthi: Lowo engiyakumanga, nguye; mbambeni, nihambe naye, nimqinise.

[45]Esefikile wasondela kuye masinyane, wathi: Rabi! Wamanga.

[46]Base bembeka izandla, bambamba.

[47]Omunye kwababemi khona wahosha inkemba, wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe.

[48]UJesu wathatha wathi kubo: Niphumile kungathi nize kumphangi, niphethe izinkemba nezinduku ukungibamba.

[49]Benginani imihla ngemihla ethempelini ngifundisa, anangibamba; kepha nga kugcwaliseka imibhalo.

contudo, é para que se cumpram as Escrituras.

50 Então, deixando-o, todos fugiram.

Jesus seguido por um jovem

51 Seguia-o um jovem, coberto unicamente com um lençol, e lançaram-lhe a mão.

52 Mas ele, largando o lençol, fugiu desnudo.

Jesus perante o Sinédrio

Mateus 26.57-68; Lucas 22.63-71

53 E levaram Jesus ao sumo sacerdote, e reuniram-se todos os principais sacerdotes, os anciãos e os escribas.

54 Pedro seguira-o de longe até ao interior do pátio do sumo sacerdote e estava assentado entre os serventuários, aquentando-se ao fogo.

55 E os principais sacerdotes e todo o Sinédrio procuravam algum testemunho contra Jesus para o condenar à morte e não achavam.

56 Pois muitos testemunhavam falsamente contra Jesus, mas os depoimentos não eram coerentes.

57 E, levantando-se alguns, testificavam falsamente, dizendo:

58 Nós o ouvimos declarar: Eu destruirei este santuário edificado por mãos humanas e, em três dias, construirei outro, não por mãos humanas.

59 Nem assim o testemunho deles era coerente.

60 Levantando-se o sumo sacerdote, no meio, perguntou a Jesus: Nada respondes ao que estes depõem contra ti?

50Bamshiya bonke, babaleka.

51Insizwa ethile yamlandela yembethe indwangu nje emzimbeni; bayibamba.

52Yayisiyishiya indwangu, yabaleka ze.

53Base bemusa uJesu kumpristi omkhulu; kwabuthana bonke abapristi abakhulu namalunga nababhali.

54UPetru wamlandela ekude, waze wangena egcekeni lompristi omkhulu; wayehlezi kanye nezikhonzi otha umlilo.

55Abapristi abakhulu nomphakathi wonke bafuna ubufakazi ngoJesu ukuba bambulale, kepha ababufumananga.

56Ngokuba abaningi bafakaza amanga ngaye, kepha ubufakazi babo abuhlangananga.

57Kwasukuma abathile, bafakaza amanga ngaye, bathi:

58 Thina simzwile ethi: Ngiyakulidiliza leli thempeli elenziwe ngezandla, ngakhe ngezinsuku ezintathu elinye elingenziwe ngezandla.

59Nakuba kunjalo ubufakazi babo abuhlangananga.

60Kwase kusukuma umpristi omkhulu phakathi kwabo, wambuza uJesu, wathi: Awuphenduli lutho na? Kuyini abakufakaza ngawe laba na?

[61] Ele, porém, guardou silêncio e nada respondeu. Tornou a interrogá-lo o sumo sacerdote e lhe disse: És tu o Cristo, o Filho do Deus Bendito?

[61]Kepha wathula, akaphendula lutho. Umpristi omkhulu wabuye wambuza, wathi kuye: UnguKristu, iNdodana yoBongekayo na?

[62] Jesus respondeu: Eu sou, e vereis o Filho do Homem assentado à direita do Todo-Poderoso e vindo com as nuvens do céu.

[62] Wathi uJesu: Nginguye. Niyakubona iNdodana yomuntu ihlezi ngakwesokunene saMandla, iza ngamafu ezulu.

[63] Então, o sumo sacerdote rasgou as suas vestes e disse: Que mais necessidade temos de testemunhas?

[63]Khona umpristi omkhulu waklebhula izingubo zakhe, wathi: Sisaswelelani ofakazi na?

[64] Ouvistes a blasfêmia; que vos parece? E todos o julgaram réu de morte.

[64]Senikuzwile ukuhlambalaza; nithini na? Bamlahla bonke ngokuthi ufanele ukufa.

[65] Puseram-se alguns a cuspir nele, a cobrir-lhe o rosto, a dar-lhe murros e a dizer-lhe: Profetiza! E os guardas o tomaram a bofetadas.

[65]Abanye base beqala ukumkhafulela ngamathe nokumgubuzela ubuso nokumdushuza, bathi kuye: Profetha. Nezikhonzi zamthatha zammukula.

Pedro nega a Jesus

Mateus 26.69-75; Lucas 22.54-62; João 18.15-18,25-27

Ukuphika kukaPetru

(Math. 26:69; Luk. 22:54; Joh. 18:17, 25)

[66] Estando Pedro embaixo no pátio, veio uma das criadas do sumo sacerdote

[66]UPetru esesegcekeni ngaphansi, kwafika enye yamantombazana ompristi omkhulu,

[67] e, vendo a Pedro, que se aquentava, fixou-o e disse: Tu também estavas com Jesus, o Nazareno.

[67]yambona uPetru otha, yambheka, yathi: Nawe ubunoJesu waseNazaretha.

[68] Mas ele o negou, dizendo: Não o conheço, nem compreendo o que dizes. E saiu para o alpendre. [E o galo cantou.]

[68]Kepha waphika wathi: Angikwazi, yebo, angikuzwisisi okushoyo; waphumela enkundleni; lakhala iqhude.

[69] E a criada, vendo-o, tornou a dizer aos circunstantes: Este é um deles.

[69]Intombazana imbona yabuye yaqala ukusho kwababemi khona ukuthi: Lona ungomunye wabo.

[70] Mas ele outra vez o negou. E, pouco depois, os que ali estavam disseram a Pedro: Verdadeiramente, és um deles, porque também tu és galileu.

[70]Kepha waphinda waphika. Emva kwesikhashana futhi ababemi khona bathi kuPetru: Nempela ungomunye wabo, ngokuba ungowaseGalile.

[71] Ele, porém, começou a praguejar e a jurar: Não conheço esse homem de quem falais!

[71]Wayeseqala ukuthuka nokufunga, ethi: Angimazi lowo muntu enikhuluma ngaye.

[72] E logo cantou o galo pela segunda vez. Então, Pedro se lembrou da palavra que Jesus lhe dissera: Antes que duas vezes cante o galo, tu me negarás três vezes. E, caindo em si, desatou a chorar.

[72]Lase likhala masinyane iqhude ngokwesibili. UPetru wayesekhumbula izwi abelishilo kuye uJesu lokuthi: Iqhude lingakakhali kabili, uzakungiphika kathathu; wakhala nokukhala izinyembezi.

Marcos 15

Jesus perante Pilatos

Mateus 27.1-2,11-26; Lucas 23.1-7,13-25; João 18.28—19.16

NgokukaMarku 15

UJesu ephambi kukaPilatu

(Math. 27:1; Luk. 23:1; Joh. 18:28)

[1] Logo pela manhã, entraram em conselho os principais sacerdotes com os anciãos, os escribas e todo o Sinédrio; e, amarrando a Jesus, levaram-no e o entregaram a Pilatos.

[1]Kwathi masinyane ekuseni abapristi abakhulu namalunga nababhali nomphakathi wonke benza icebo, bambopha uJesu, bamqhuba, bamnikela kuPilatu.

[2] Pilatos o interrogou: És tu o rei dos judeus? Respondeu Jesus: Tu o dizes.

[2]UPilatu wambuza wathi: Wena uyinkosi yabaJuda na? Waphendula, wathi kuye: Usho khona.

[3] Então, os principais sacerdotes o acusavam de muitas coisas.

[3]Abapristi abakhulu bammangalela ngokuningi.

[4] Tornou Pilatos a interrogá-lo: Nada respondes? Vê quantas acusações te fazem!

[4]UPilatu wabuye wambuza, wathi: Awuphenduli lutho na? Bheka, bakuthwesa icala ngokuningi kangaka.

[5] Jesus, porém, não respondeu palavra, a ponto de Pilatos muito se admirar.

[5]Kodwa uJesu akabe esaphendula lutho, waze wamangala uPilatu.

[6] Ora, por ocasião da festa, era costume soltar ao povo um dos presos, qualquer que eles pedissem.

[6]Kwathi ngomkhosi wayehleze ebakhululela isiboshwa sibe sinye abasicelayo.

[7] Havia um, chamado Barrabás, preso com amotinadores, os quais em um tumulto haviam cometido homicídio.

[7]Kwakukhona-ke omunye, nguBaraba igama lakhe, owayeboshiwe kanye namahlubuka; wona ayebulele umuntu ekuhlubukeni.

[8] Vindo a multidão, começou a pedir que lhes fizesse como de costume.

[8]Isixuku senyuka, saqala ukucela ukuba abenzele njengalokho ebehleze ebenzela.

[9] E Pilatos lhes respondeu, dizendo: Quereis que eu vos solte o rei dos judeus?

[9]Kepha uPilatu wabaphendula wathi: Nithanda ukuba nginikhululele inkosi yabaJuda na?

[10] Pois ele bem percebia que por inveja os principais sacerdotes lho haviam entregado.

[10]Ngokuba wayekwazi ukuthi abapristi abakhulu bamnikele ngomhawu.

[11] Mas estes incitaram a multidão no sentido de que lhes soltasse, de preferência, Barrabás.

[11]Kepha abapristi abakhulu babhebhezela isixuku ukuba okungcono asikhululele uBaraba.

[12] Mas Pilatos lhes perguntou: Que farei, então, deste a quem chamais o rei dos judeus?

[12]UPilatu wabuye waphendula, wathi kubo: Pho-ke, ngimenzenjani lo enithi uyinkosi yabaJuda na?

[13] Eles, porém, clamavam: Crucifica-o!

[13]Babuye bamemeza, bathi: Mbethele esiphambanweni!

[14] Mas Pilatos lhes disse: Que mal fez ele? E eles gritavam cada vez mais: Crucifica-o!

[14]Kodwa uPilatu wathi kubo: Ngokuba wenze bubi buni na? Kepha bamemeza kakhulu, bathi: Mbethele esiphambanweni!

[15] Então, Pilatos, querendo contentar a multidão, soltou-lhes Barrabás; e, após mandar açoitar a Jesus, entregou-o para ser crucificado.

[15]Khona uPilatu ethanda ukudelisa isixuku wasikhululela uBaraba, kepha wamshaya uJesu, wamnikela ukuba abethelwe esiphambanweni.

Jesus entregue aos soldados

Mateus 27.27-31

[16] Então, os soldados o levaram para dentro do palácio, que é o pretório, e reuniram todo o destacamento.

[16]Amabutho ayesemngenisa phakathi endlini ethiwa iPretoriyu, abizela ndawonye ibutho lonke.

[17] Vestiram-no de púrpura e, tecendo uma coroa de espinhos, lha puseram na cabeça.

[17]Ayesemembathisa ingubo ebubende, amcwashelisa ngomqhele ayeweluke ngameva.

[18] E o saudavam, dizendo: Salve, rei dos judeus!

[18]Aqala ukumkhulekela, athi: Bayede, nkosi yabaJuda!

[19] Davam-lhe na cabeça com um caniço, cuspiam nele e, pondo-se de joelhos, o adoravam.

[20] Depois de o terem escarnecido, despiram-lhe a púrpura e o vestiram com as suas próprias vestes. Então, conduziram Jesus para fora, com o fim de o crucificarem.

Simão leva a cruz de Jesus
Mateus 27.32; Lucas 23.26

[21] E obrigaram a Simão Cireneu, que passava, vindo do campo, pai de Alexandre e de Rufo, a carregar-lhe a cruz.

A crucificação
Mateus 27.33-44; Lucas 23.33-43; João 19.17-24

[22] E levaram Jesus para o Gólgota, que quer dizer Lugar da Caveira.

[23] Deram-lhe a beber vinho com mirra; ele, porém, não tomou.

[24] Então, o crucificaram e repartiram entre si as vestes dele, lançando-lhes sorte, para ver o que levaria cada um.

[25] Era a hora terceira quando o crucificaram.

[26] E, por cima, estava, em epígrafe, a sua acusação: O REI DOS JUDEUS.

[27] Com ele crucificaram dois ladrões, um à sua direita, e outro à sua esquerda.

[28] [E cumpriu-se a Escritura que diz: Com malfeitores foi contado.]

[29] Os que iam passando, blasfemavam dele, meneando a cabeça e dizendo: Ah! Tu que

[19]Amshaya ekhanda ngomhlanga, amkhafulela ngamathe, aguqa ngamadolo, akhuleka kuye.

[20]Esembhinqile amhlubula ingubo ebubende, amembathisa izingubo zakhe. Ayesephuma naye ukuba ambethele esiphambanweni.

[21]Acindezela umuntu obedlula, uSimoni waseKhurene, evela endle, uyise ka-Aleksandru noRufu, ukuba athwale isiphambano sakhe.

UJesu esesiphambanweni
(Math. 27:33; Luk. 23:26; Joh. 19:17)

[22]Ayesemyisa endaweni yaseGolgotha okungukuthi ngokuhunyushwa iNdawo Yekhanda.

[23] Amnika iwayini elixutshwe nemure; kepha akalamukelanga.

[24] Ayesembethela esiphambanweni, abelana izingubo zakhe, enzelana inkatho ngazo ukuthi yilowo nalowo uyakuthathani.

[25]Kwakuyihora lesithathu esembethela esiphambanweni.

[26]Umbhalo wecala lakhe ubulotshiwe ngaphezulu wokuthi: INKOSI YABAJUDA.

[27]Kwabethelwa kanye naye abaphangi ababili, omunye ngakwesokunene nomunye ngakwesokhohlo sakhe.

[28]Kwase kugcwaliseka umbhalo othi: Wabalwa kanye naboni.

[29]Abadlulayo bamhlambalaza benikina amakhanda abo, bathi: Eya wena odiliza

destróis o santuário e, em três dias, o reedificas!

30 Salva-te a ti mesmo, descendo da cruz!

31 De igual modo, os principais sacerdotes com os escribas, escarnecendo, entre si diziam: Salvou os outros, a si mesmo não pode salvar-se;

32 desça agora da cruz o Cristo, o rei de Israel, para que vejamos e creiamos. Também os que com ele foram crucificados o insultavam.

A morte de Jesus

Mateus 27.45-56; Lucas 23.44-49; João 19.28-30

33 Chegada a hora sexta, houve trevas sobre toda a terra até a hora nona.

34 À hora nona, clamou Jesus em alta voz: Eloí, Eloí, lamá sabactâni? Que quer dizer: Deus meu, Deus meu, por que me desamparaste?

35 Alguns dos que ali estavam, ouvindo isto, diziam: Vede, chama por Elias!

36 E um deles correu a embeber uma esponja em vinagre e, pondo-a na ponta de um caniço, deu-lhe de beber, dizendo: Deixai, vejamos se Elias vem tirá-lo!

37 Mas Jesus, dando um grande brado, expirou.

38 E o véu do santuário rasgou-se em duas partes, de alto a baixo.

39 O centurião que estava em frente dele, vendo que assim expirara, disse: Verdadeiramente, este homem era o Filho de Deus.

ithempeli, ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu;

30zisindise, wehle esiphambanweni.

31Kanjalo nabapristi abakhulu bambhinqa bebodwa kanye nababhali, bathi: Wasindisa abanye, angezisindise yena.

32UKristu, iNkosi yakwa-Israyeli, makehle manje esiphambanweni, ukuze sibone, sikholwe. Nababebethelwe kanye naye bamdumaza.

33Sekufikile ihora lesithupha kwaba mnyama emhlabeni wonke, kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye.

34Ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Eloi, Eloi, lama sabaktani? okungukuthi ngokuhunyushwa: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?

35Abanye kwababemi khona bekuzwa bathi: Bheka, ubiza u-Eliya.

36Wayesegijima omunye, wagcwalisa ilula ngoviniga, walichoma emhlangeni, wamphuzisa, wathi: Yekani, sibone uma u-Eliya eza ukumehlisa.

37UJesu wayesememeza ngezwi elikhulu, wafa.

38 Khona isihenqo sethempeli sadabuka kabili, kusukela phezulu kuze kufike phansi.

39Kepha induna yekhulu eyayimi maqondana naye imbona efa ngokunjalo, yathi: Nempela lo muntu ube yiNdodana kaNkulunkulu.

40 Estavam também ali algumas mulheres, observando de longe; entre elas, Maria Madalena, Maria, mãe de Tiago, o menor, e de José, e Salomé;

41 as quais, quando Jesus estava na Galiléia, o acompanhavam e serviam; e, além destas, muitas outras que haviam subido com ele para Jerusalém.

O sepultamento de Jesus

Mateus 27.57-61; Lucas 23.50-56; João 19.38-42

42 Ao cair da tarde, por ser o dia da preparação, isto é, a véspera do sábado,

43 vindo José de Arimatéia, ilustre membro do Sinédrio, que também esperava o reino de Deus, dirigiu-se resolutamente a Pilatos e pediu o corpo de Jesus.

44 Mas Pilatos admirou-se de que ele já tivesse morrido. E, tendo chamado o centurião, perguntou-lhe se havia muito que morrera.

45 Após certificar-se, pela informação do comandante, cedeu o corpo a José.

46 Este, baixando o corpo da cruz, envolveu-o em um lençol que comprara e o depositou em um túmulo que tinha sido aberto numa rocha; e rolou uma pedra para a entrada do túmulo.

47 Ora, Maria Madalena e Maria, mãe de José, observaram onde ele foi posto.

Marcos 16

A ressurreição de Jesus

Mateus 28.1-10; Lucas 24.1-12; João 20.1-10

40Kwakukhona nabesifazane bebukela, bekude; phakathi kwabo kwakukhona noMariya Magdalena, noMariya unina kaJakobe omncane nokaJose, kanye noSalome

41ababemlandela eseseGalile, bemkhonza, nabanye abesifazane abaningi abenyukela naye eJerusalema.

Ukumbelwa kukaJesu

(Math. 27:57; Luk. 23:50; Joh. 19:38)

42Kwathi ukuba kuhlwe, ngokuba kwakulusuku lokulungisela okungukuthi olwandulela isabatha,

43kwafika uJosefa wase-Arimatheya, ilunga elidumileyo lomphakathi, owayewubheka naye umbuso kaNkulunkulu; wangena ngesibindi kuPilatu, wacela isidumbu sikaJesu.

44Kepha uPilatu wamangala ngokuthi ngabe usefile, wabiza induna yekhulu, wabuza kuyo ukuthi sekukade efile na?

45Esezwile enduneni yekhulu wamnika uJosefa isidumbu.

46Wathenga indwangu enhle, wamehlisa, wamsonga ngaleyo ndwangu, wambeka ethuneni elaliqoshwe edwaleni, wagingqela itshe emnyango wethuna.

47OMariya Magdalena noMariya unina kaJose babona lapho abekwa khona.

NgokukaMarku 16

Ukuvuka kukaJesu

(Math. 28:1; Luk. 24:1; Joh. 20:1)

[1] Passado o sábado, Maria Madalena, Maria, mãe de Tiago, e Salomé, compraram aromas para irem embalsamá-lo.

[1]Selidlulile isabatha, oMariya Magdalena, noMariya unina kaJakobe, noSalome bathenga amakha ukuba beze bamgcobe.

[2] E, muito cedo, no primeiro dia da semana, ao despontar do sol, foram ao túmulo.

[2]Ekuseni kakhulu ngosuku lokuqala lweviki beza ethuneni ekuphumeni kwelanga.

[3] Diziam umas às outras: Quem nos removerá a pedra da entrada do túmulo?

[3]Bakhuluma bodwa, bathi: Ngubani oyakusigingqela itshe, lisuke emnyango wethuna na?

[4] E, olhando, viram que a pedra já estava removida; pois era muito grande.

[4]Bathi ukubheka, babona ukuthi itshe seligingqiwe; ngokuba lalilikhulu kakhulu.

[5] Entrando no túmulo, viram um jovem assentado ao lado direito, vestido de branco, e ficaram surpreendidas e atemorizadas.

[5]Kuthe bengena ethuneni, babona insizwa ihlezi ngakwesokunene yembethe ingubo ende emhlophe; bethuka.

[6] Ele, porém, lhes disse: Não vos atemorizeis; buscais a Jesus, o Nazareno, que foi crucificado; ele ressuscitou, não está mais aqui; vede o lugar onde o tinham posto.

[6]Kepha yathi kubo: Ningethuki; nifuna uJesu waseNazaretha obebethelwe esiphambanweni; uvukile; kakho lapha; bhekani nansi indawo lapho bebembeke khona.

[7] Mas ide, dizei a seus discípulos e a Pedro que ele vai adiante de vós para a Galiléia; lá o vereis, como ele vos disse.

[7] Kodwa hambani nitshele abafundi bakhe kanye noPetru ukuthi uyanandulela ukuya eGalile; nizakumbona lapho, njengalokho eshilo kini.

[8] E, saindo elas, fugiram do sepulcro, porque estavam possuídas de temor e de assombro; e, de medo, nada disseram a ninguém.

[8]Base bephuma, babaleka ethuneni, ngokuba babefikelwe ngukuthuthumela nokumangala, kabashongo lutho kumuntu, ngokuba babesaba.

Jesus aparece a Maria Madalena

João 20.11-18

Ukuzibonakalisa kukaJesu emva kokuvuka kwakhe nokukhuphukela kwakhe ezulwini

[9] Havendo ele ressuscitado de manhã cedo no primeiro dia da semana, apareceu primeiro a Maria Madalena, da qual expelira sete demônios.

[9] Esevukile, kusekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala kuqala kuMariya Magdalena ayekhiphe kuye amademoni ayisikhombisa.

[10] E, partindo ela, foi anunciá-lo àqueles que, tendo sido companheiros de Jesus, se achavam tristes e choravam.

[11] Estes, ouvindo que ele vivia e que fora visto por ela, não acreditaram.

Jesus aparece a dois de seus discípulos

Lucas 24.13-35

[12] Depois disto, manifestou-se em outra forma a dois deles que estavam de caminho para o campo.

[13] E, indo, eles o anunciaram aos demais, mas também a estes dois eles não deram crédito.

A ordem para a evangelização

[14] Finalmente, apareceu Jesus aos onze, quando estavam à mesa, e censurou-lhes a incredulidade e dureza de coração, porque não deram crédito aos que o tinham visto já ressuscitado.

[15] E disse-lhes: Ide por todo o mundo e pregai o evangelho a toda criatura.

[16] Quem crer e for batizado será salvo; quem, porém, não crer será condenado.

[17] Estes sinais hão de acompanhar aqueles que crêem: em meu nome, expelirão demônios; falarão novas línguas;

[18] pegarão em serpentes; e, se alguma coisa mortífera beberem, não lhes fará mal; se impuserem as mãos sobre enfermos, eles ficarão curados.

A ascensão de Jesus

Lucas 24.50-53; Atos 1.6-11

[10]Yena wahamba wababikela labo ababe naye uJesu, besalila bekhala.

[11]Kwathi bona sebezwile ukuthi uyaphila nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa.

[12] Emva kwalokho wabonakala ngesinye isimo kwababili kubo behamba beya emaphandleni.

[13]Nabo bahamba babikela abanye; nalabo abaze bakholwa.

[14] Ngasemuva wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo yabo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.

[15] Wayesethi kubo: Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.

[16]Okholwayo abhapathizwe uyakusindiswa, kepha ongakholwayo uyakulahlwa.

[17] Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngegama lami bayakukhipha amademoni, bashumayele ngezilimi ezintsha,

[18] baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba nangozi; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, basinde.

[19] De fato, o SENHOR Jesus, depois de lhes ter falado, foi recebido no céu e assentou-se à destra de Deus.

[20] E eles, tendo partido, pregaram em toda parte, cooperando com eles o SENHOR e confirmando a palavra por meio de sinais, que se seguiam.

[19] Njalo-ke iNkosi uJesu isikhulumile kubo yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

[20] Kepha bona bephuma bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo.

O evangelho segundo Lucas

Lucas 1

Prefácio

[1] Visto que muitos houve que empreenderam uma narração coordenada dos fatos que entre nós se realizaram,
[2] conforme nos transmitiram os que desde o princípio foram deles testemunhas oculares e ministros da palavra,
[3] igualmente a mim me pareceu bem, depois de acurada investigação de tudo desde sua origem, dar-te por escrito, excelentíssimo Teófilo, uma exposição em ordem,
[4] para que tenhas plena certeza das verdades em que foste instruído.

Zacarias e Isabel

[5] Nos dias de Herodes, rei da Judéia, houve um sacerdote chamado Zacarias, do turno de Abias. Sua mulher era das filhas de Arão e se chamava Isabel.

[6] Ambos eram justos diante de Deus, vivendo irrepreensivelmente em todos os preceitos e mandamentos do SENHOR.

[7] E não tinham filhos, porque Isabel era estéril, sendo eles avançados em dias.

Predições referentes a João Batista

[8] Ora, aconteceu que, exercendo ele diante de Deus o sacerdócio na ordem do seu turno, coube-lhe por sorte,
[9] segundo o costume sacerdotal, entrar no santuário do SENHOR para queimar o incenso;

NgokukaLuka

NgokukaLuka 1

Isingeniso

(IzE. 1:1)

[1]Njengokuba abaningi sebezamile ukulanda ngokuhlelekile ngalezo zindaba ezigcwaliseke phakathi kwethu,
[2]njengalokho basinika zona labo ababekhona kwasekuqaleni, bezibonela ngamehlo, beyizikhonzi zezwi,

[3]kwasengathi kuhle nakimina, lokhu ngizihlolisisile zonke izinto, kusukela ekuqaleni, ngikulobele ngokulandelana, Theyofilu odumileyo,

[4]ukuze wazi ukuqiniseka kwalezo zindaba ozifundisiweyo.

Ukuzalwa kukaJohane nokukaJesu kuyabikezelwa

[5] Emihleni kaHerode inkosi yaseJudiya kwakukhona umpristi othile ogama lakhe nguZakariya, esigabeni sika-Abiya, nomkakhe engowamadodakazi ka-Aroni, igama lakhe ngu-Elisabethe.
[6]Babelungile bobabili phambi kukaNkulunkulu behamba ngayo yonke imiyalo nezimiso zeNkosi, bengasoleki.
[7]Kepha babengenamntwana, ngokuba u-Elisabethe wayeyinyumba; bobabili base bekhulile.

[8]Kwathi-ke esayenza inkonzo yobupristi phambi kukaNkulunkulu njengokuhlelwa kwesikhathi sesigaba sakubo,
[9] ngokomthetho wobupristi kwaba nguye owabelwa ukungena ethempelini leNkosi, azoshisa impepho.

[10] e, durante esse tempo, toda a multidão do povo permanecia da parte de fora, orando.

[10]Isixuku sonke sabantu sasikhuleka ngaphandle ngesikhathi sempepho.

[11] E eis que lhe apareceu um anjo do SENHOR, em pé, à direita do altar do incenso.

[11]Kwabonakala kuye ingelosi yeNkosi imi ngakwesokunene se-altare lempepho.

[12] Vendo-o, Zacarias turbou-se, e apoderou-se dele o temor.

[12]UZakariya eyibona wethuka, wehlelwa luvalo.

[13] Disse-lhe, porém, o anjo: Zacarias, não temas, porque a tua oração foi ouvida; e Isabel, tua mulher, te dará à luz um filho, a quem darás o nome de João.

[13]Kepha ingelosi yathi kuye: Ungesabi, Zakariya, ngokuba isicelo sakho sizwakele; umkakho u-Elisabethe uzakukuzalela indodana, uyiqambe igama lokuthi uJohane.

[14] Em ti haverá prazer e alegria, e muitos se regozijarão com o seu nascimento.

[14]Uzakuba nokujabula nokuthokoza wena; nabaningi bazakujabula ngokuzalwa kwakhe.

[15] Pois ele será grande diante do SENHOR, não beberá vinho nem bebida forte e será cheio do Espírito Santo, já do ventre materno.

[15] Ngokuba uzakuba mkhulu emehlweni eNkosi; kasoze waphuza iwayini nophuzo oludakisayo; uzakugcwaliswa nguMoya oNgcwele esesesiswini sikanina.

[16] E converterá muitos dos filhos de Israel ao SENHOR, seu Deus.

[16]Abaningi kubantwana bakwa-Israyeli uyakubaphendulela eNkosini uNkulunkulu wabo.

[17] E irá adiante do SENHOR no espírito e poder de Elias, para converter o coração dos pais aos filhos, converter os desobedientes à prudência dos justos e habilitar para o SENHOR um povo preparado.

[17] Uyakuhamba ngaphambi kwayo emoyeni nasemandleni ka-Eliya ukuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nabangalaleliyo ekuqondeni kwabalungileyo, ukulungisela iNkosi isizwe esilungiselweyo.

[18] Então, perguntou Zacarias ao anjo: Como saberei isto? Pois eu sou velho, e minha mulher, avançada em dias.

[18]UZakariya wathi engelosini: Ngiyakukwazi ngani lokhu na? Ingani sengiyindoda endala mina, nomkami uqhubekile ezinsukwini zakhe.

[19] Respondeu-lhe o anjo: Eu sou Gabriel, que assisto diante de Deus, e fui enviado para falar-te e trazer-te estas boas-novas.

[19] Ingelosi yaphendula, yathi kuye: NginguGabriyeli mina, omiyo phambi kukaNkulunkulu; ngithunyiwe ukuba ngikhulume kuwe, ngikubikele lezi zindaba ezinhle.

[20] Todavia, ficarás mudo e não poderás falar até ao dia em que estas coisas venham a realizar-se; porquanto não acreditaste nas minhas palavras, as quais, a seu tempo, se cumprirão.

[20]Bheka-ke, uzakuba yisimungulu, ungakwazi ukukhuluma kuze kube lusuku okwenzeka ngalo lokhu, ngokuba ungakholwanga ngamazwi ami azakugcwaliseka ngesikhathi sawo.

[21] O povo estava esperando a Zacarias e admirava-se de que tanto se demorasse no santuário.

[21]Abantu bemlindele uZakariya bamangala ngokulibala kwakhe ethempelini.

[22] Mas, saindo ele, não lhes podia falar; então, entenderam que tivera uma visão no santuário. E expressava-se por acenos e permanecia mudo.

[22]Kuthe esephuma, wahluleka ukukhuluma kubo; bazi ukuthi ubone umbono ethempelini; wayelokhu ebaqhweba, wahlala eyisimungulu.

[23] Sucedeu que, terminados os dias de seu ministério, voltou para casa.

[23]Kwathi seziphelile izinsuku zokukhonza kwakhe, wamuka waya ekhaya.

A felicidade de Isabel

[24] Passados esses dias, Isabel, sua mulher, concebeu e ocultou-se por cinco meses, dizendo:

[24]Kepha emva kwalezo zinsuku u-Elisabethe umkakhe wakhulelwa, wazifihla izinyanga eziyisihlanu, wathi:

[25] Assim me fez o SENHOR, contemplando-me, para anular o meu opróbrio perante os homens.

[25] Yenze njalo iNkosi kimi emihleni eyangibheka ngayo ukususa ihlazo lami phakathi kwabantu.

Predito o nascimento de Jesus

[26] No sexto mês, foi o anjo Gabriel enviado, da parte de Deus, para uma cidade da Galiléia, chamada Nazaré,

[26]Ngenyanga yesithupha ingelosi uGabriyeli yathunywa nguNkulunkulu emzini waseGalile ogama lawo yiNazaretha,

[27] a uma virgem desposada com certo homem da casa de Davi, cujo nome era José; a virgem chamava-se Maria.

[27] entombini eyayimiselwe indoda ebizo layo nguJosefa wendlu kaDavide; ibizo lentombi nguMariya.

[28] E, entrando o anjo aonde ela estava, disse: Alegra-te, muito favorecida! O SENHOR é contigo.

[29] Ela, porém, ao ouvir esta palavra, perturbou-se muito e pôs-se a pensar no que significaria esta saudação.

[30] Mas o anjo lhe disse: Maria, não temas; porque achaste graça diante de Deus.

[31] Eis que conceberás e darás à luz um filho, a quem chamarás pelo nome de Jesus.

[32] Este será grande e será chamado Filho do Altíssimo; Deus, o SENHOR, lhe dará o trono de Davi, seu pai;

[33] ele reinará para sempre sobre a casa de Jacó, e o seu reinado não terá fim.

[34] Então, disse Maria ao anjo: Como será isto, pois não tenho relação com homem algum?

[35] Respondeu-lhe o anjo: Descerá sobre ti o Espírito Santo, e o poder do Altíssimo te envolverá com a sua sombra; por isso, também o ente santo que há de nascer será chamado Filho de Deus.

[36] E Isabel, tua parenta, igualmente concebeu um filho na sua velhice, sendo este já o sexto mês para aquela que diziam ser estéril.

[37] Porque para Deus não haverá impossíveis em todas as suas promessas.

[38] Então, disse Maria: Aqui está a serva do SENHOR; que se cumpra em mim

[28]Yangena ingelosi kuye, yathi: E wena ophiwe umusa! INkosi inawe; ubusisiwe esifazaneni.

[29]Kepha yena wethuka ngezwi layo ezindla ngokuthi kungaba ngukubingelela kuni lokhu.

[30]Ingelosi yathi kuye: Ungesabi, Mariya, ngokuba ufumene umusa kuNkulunkulu.

[31] Bheka, uzakukhulelwa, uzale indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu.

[32] Yena uyakuba mkhulu, athiwe iNdodana yoPhezukonke; iNkosi uNkulunkulu iyakumnika isihlalo sobukhosi sikayise uDavide;

[33] uyakuba yinkosi yendlu kaJakobe kuze kube phakade, nombuso wakhe awuyikuba nakuphela.

[34]UMariya wathi engelosini: Lokhu kuyakwenzeka kanjani, njengokuba ngingayazi indoda na?

[35]Ingelosi yaphendula, yathi kuye: UMoya oNgcwele uzakuza phezu kwakho, amandla oPhezukonke akusibekele; ngakho-ke okungcwele okuzozalwa kuzakuthiwa iNdodana kaNkulunkulu.

[36]Bheka, u-Elisabethe isihlobo sakho naye ukhulelwe indodana esemdala; lena ngeyesithupha yakhe obethiwa inyumba.

[37] Ngokuba akukho lutho olungenzeke kuNkulunkulu.

[38]UMariya wathi: Bheka, ngiyincekukazi yeNkosi; akube kimi njengezwi lakho. Ingelosi yamuka kuye.

conforme a tua palavra. E o anjo se ausentou dela.

Maria visita a Isabel

39 Naqueles dias, dispondo-se Maria, foi apressadamente à região montanhosa, a uma cidade de Judá,

40 entrou na casa de Zacarias e saudou Isabel.

41 Ouvindo esta a saudação de Maria, a criança lhe estremeceu no ventre; então, Isabel ficou possuída do Espírito Santo.

42 E exclamou em alta voz: Bendita és tu entre as mulheres, e bendito o fruto do teu ventre!

43 E de onde me provém que me venha visitar a mãe do meu SENHOR?

44 Pois, logo que me chegou aos ouvidos a voz da tua saudação, a criança estremeceu de alegria dentro de mim.

45 Bem-aventurada a que creu, porque serão cumpridas as palavras que lhe foram ditas da parte do SENHOR.

O cântico de Maria

46 Então, disse Maria: A minha alma engrandece ao SENHOR,

47 e o meu espírito se alegrou em Deus, meu Salvador,

48 porque contemplou na humildade da sua serva. Pois, desde agora, todas as gerações me considerarão bem-aventurada,

49 porque o Poderoso me fez grandes coisas. Santo é o seu nome.

Indumiso ka-Elisabethe nekaMariya

39Ngalezo zinsuku uMariya wasuka waya ngokushesha kwelezintaba emzini wakwaJuda.

40Wangena endlini kaZakariya, wambingelela u-Elisabethe.

41Kwathi ukuba u-Elisabethe ezwe ukubingelela kukaMariya, umntwana waxhuma esiswini sakhe; u-Elisabethe wagcwala uMoya oNgcwele,

42wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Ubusisiwe wena esifazaneni! Sibusisiwe nesithelo sesisu sakho!

43Ngehlelwe kanjani yilokhu ukuba unina weNkosi yami ahambele kimi na?

44Ngokuba bheka, kuthe izwi lokubingelela kwakho lifika ezindlebeni zami, umntwana waxhuma esiswini sami ngokujabula.

45Ubusisiwe owakholwayo, ngokuba kuzakuba khona ukufezeka kwalokho akutshelwa, kuvela eNkosini.

46 Wayesethi uMariya: Umphefumulo wami uyayitusa Nkosi,

47nomoya wami uyathokoza kuNkulunkulu, uMsindisi wami,

48ngokuba ubhekile ubuphansi bencekukazi yakhe. Bheka, kusukela manje izizukulwane zonke ziyakuthi ngibusisiwe.

49Ngokuba uSomandla ungenzele izinto ezinkulu: igama lakhe lingcwele.

[50] A sua misericórdia vai de geração em geração sobre os que o temem.

[51] Agiu com o seu braço valorosamente; dispersou os que, no coração, alimentavam pensamentos soberbos.

[52] Derribou do seu trono os poderosos e exaltou os humildes.

[53] Encheu de bens os famintos e despediu vazios os ricos.

[54] Amparou a Israel, seu servo, a fim de lembrar-se da sua misericórdia

[55] a favor de Abraão e de sua descendência, para sempre, como prometera aos nossos pais.

[56] Maria permaneceu cerca de três meses com Isabel e voltou para casa.

O nascimento de João Batista

[57] A Isabel cumpriu-se o tempo de dar à luz, e teve um filho.

[58] Ouviram os seus vizinhos e parentes que o SENHOR usara de grande misericórdia para com ela e participaram do seu regozijo.

[59] Sucedeu que, no oitavo dia, foram circuncidar o menino e queriam dar-lhe o nome de seu pai, Zacarias.

[60] De modo nenhum! Respondeu sua mãe. Pelo contrário, ele deve ser chamado João.

[61] Disseram-lhe: Ninguém há na tua parentela que tenha este nome.

[62] E perguntaram, por acenos, ao pai do menino que nome queria que lhe dessem.

[63] Então, pedindo ele uma tabuinha, escreveu: João é o seu nome. E todos se admiraram.

[50] Isihawu sakhe sikuzo izizukulwane ngezizukulwane kubo abamesabayo.

[51] Wenzile amandla ngengalo yakhe; uchithile abazidlayo ekuzidleni kwenhliziyo yabo.

[52] Uwisile amakhosi ezihlalweni, uphakamisile abantukazana.

[53]Abalambileyo ubasuthisile ngezinto ezinhle, abacebileyo ubamukise ze.

[54]Uyisizile inceku yakhe u-Israyeli, ukuze akhumbule isihawu,

[55] njengalokho akusho kokhokho bethu ku-Abrahama nenzalo yakhe kuze kube phakade.

[56]UMariya wahlala naye kungathi izinyanga ezintathu, wabuyela ekhaya.

Ukuzalwa kukaJohane. Indumiso kaZakariya

[57]Saphelela-ke isikhathi sika-Elisabethe sokuba abelethe; wazala indodana.

[58]Abakhelene naye nezihlobo zakhe bezwa ukuthi iNkosi yenze isihawu sayo saba sikhulu kuye, bathokoza naye.

[59] Kwathi ngosuku lwesishiyagalombili beza ukusoka umntwana, bamqamba ngegama likayise uZakariya.

[60]Unina wayesephendula ethi: Qhabo, uzakuthiwa uJohane.

[61]Bathi kuye: Akakho noyedwa emndenini wakini obizwa ngalelo gama.

[62]Bamqhweba uyise ukuthi ufuna ukumqamba ngaliphi.

[63]Wabiza isileti, waloba ukuthi. NguJohane igama lakhe. Bamangala bonke.

64 Imediatamente, a boca se lhe abriu, e, desimpedida a língua, falava louvando a Deus.

64Kwase kuvuleka umlomo wakhe khona lapho nolimi lwakhe, wakhuluma embonga uNkulunkulu.

65 Sucedeu que todos os seus vizinhos ficaram possuídos de temor, e por toda a região montanhosa da Judéia foram divulgadas estas coisas.

65Bonke abakhelene nabo behlelwa ngukwesaba, bakhuluma ngazo zonke lezo zindaba kulo lonke lezintaba laseJudiya,

66 Todos os que as ouviram guardavam-nas no coração, dizendo: Que virá a ser, pois, este menino? E a mão do SENHOR estava com ele.

66nabo bonke abazizwayo bazigcina ezinhliziyweni zabo, bethi: Kodwa lo mntwana uyakuba yini na? Isandla seNkosi sasinaye.

O cântico de Zacarias

67 Zacarias, seu pai, cheio do Espírito Santo, profetizou, dizendo:

67UZakariya uyise wagcwala uMoya oNgcwele, waprofetha wathi:

68 Bendito seja o SENHOR, Deus de Israel, porque visitou e redimiu o seu povo,

68 Mayibongwe iNkosi, uNkulunkulu ka-Israyeli, ngokuba ibahambele abantu bayo, yabenzela inkululeko.

69 e nos suscitou plena e poderosa salvação na casa de Davi, seu servo,

69 Yasivusela uphondo lwensindiso endlini kaDavide inceku yayo,

70 como prometera, desde a antiguidade, por boca dos seus santos profetas,

70njengalokho yakhuluma ngomlomo wabaprofethi bayo abangcwele basendulo,

71 para nos libertar dos nossos inimigos e das mãos de todos os que nos odeiam;

71insindiso ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo,

72 para usar de misericórdia com os nossos pais e lembrar-se da sua santa aliança

72 ukwenzela okhokho bethu isihawu nokukhumbula isivumelwano sayo esingcwele,

73 e do juramento que fez a Abraão, o nosso pai,

73 isifungo eyasifunga kubaba u-Abrahama,

74 de conceder-nos que, livres das mãos de inimigos, o adorássemos sem temor,

74ukusinika ukuba sithi sikhululiwe esandleni sezitha zethu, siyikhonze singenakwesaba

75 em santidade e justiça perante ele, todos os nossos dias.

75ngobungcwele nangokulunga phambi kwayo zonke izinsuku zethu.

[76] Tu, menino, serás chamado profeta do Altíssimo, porque precederás o SENHOR, preparando-lhe os caminhos,

[77] para dar ao seu povo conhecimento da salvação, no redimi-lo dos seus pecados,
[78] graças à entranhável misericórdia de nosso Deus, pela qual nos visitará o sol nascente das alturas,

[79] para alumiar os que jazem nas trevas e na sombra da morte, e dirigir os nossos pés pelo caminho da paz.

[80] O menino crescia e se fortalecia em espírito. E viveu nos desertos até ao dia em que havia de manifestar-se a Israel.

Lucas 2

O nascimento de Jesus Cristo
Mateus 1.18-25

[1] Naqueles dias, foi publicado um decreto de César Augusto, convocando toda a população do império para recensear-se.
[2] Este, o primeiro recenseamento, foi feito quando Quirino era governador da Síria.
[3] Todos iam alistar-se, cada um à sua própria cidade.

[4] José também subiu da Galiléia, da cidade de Nazaré, para a Judéia, à cidade de Davi, chamada Belém, por ser ele da casa e família de Davi,

[5] a fim de alistar-se com Maria, sua esposa, que estava grávida.

[76] Nawe-ke mntwana, uyakuthiwa umprofethi woPhezukonke, ngokuba uyakuhamba phambi kweNkosi ukulungisa izindlela zayo
[77]ukunika abantu bayo ukuyazi insindiso ngokuthethelelwa kwezono zabo,
[78] ngemisesane yesihawu sikaNkulunkulu wethu esizakuhanjelwa ngayo ngukusa kwaphezulu,
[79]ukubakhanyisela abahlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa nokuqondisa izinyawo zethu endleleni yokuthula.
[80]Wakhula-ke umntwana, waba namandla emoyeni; wahlala ehlane kwaze kwaba lusuku lokubonakaliswa kwakhe ku-Israyeli.

NgokukaLuka 2

Ukuzalwa kukaJesu nokusokwa kwakhe
(Math. 1:18)

[1]Kwathi ngalezo zinsuku kwaphuma isimemezelo kuKesari Awugustu sokuba kubalwe izwe lonke.
[2]Lokhu kubalwa kokuqala kwenziwa uKhureniyu engumbusi waseSiriya.
[3]Bonke baya kubalwa, yilowo nalowo emzini wakubo.
[4] Naye uJosefa wakhuphuka ephuma eGalile emzini waseNazaretha, waya eJudiya emzini kaDavide othiwa iBetlehema, ngokuba wayengowendlu nozalo lukaDavide,
[5]ukuyobalwa kanye noMariya owayemmiselwe ukuba abe ngumkakhe, ekhulelwe.

[6] Estando eles ali, aconteceu completarem-se-lhe os dias,

[6]Kwathi-ke beselapho, zaphelela izinsuku zokuba abelethe.

[7] e ela deu à luz o seu filho primogênito, enfaixou-o e o deitou numa manjedoura, porque não havia lugar para eles na hospedaria.

[7]Wazibula ngendodana, wayembesa, wayilalisa emkhombeni, ngokuba bantula indawo endlini yezihambi.

Os anjos e os pastores

[8] Havia, naquela mesma região, pastores que viviam nos campos e guardavam o seu rebanho durante as vigílias da noite.

[8]Kwakukhona abelusi kulelo zwe ababehlezi endle, belinda umhlambi wabo ebusuku.

[9] E um anjo do SENHOR desceu aonde eles estavam, e a glória do SENHOR brilhou ao redor deles; e ficaram tomados de grande temor.

[9]Ingelosi yeNkosi yema phambi kwabo, inkazimulo yeNkosi yabakhanyisa nxazonke; besaba ngokwesaba okukhulu.

[10] O anjo, porém, lhes disse: Não temais; eis aqui vos trago boa-nova de grande alegria, que o será para todo o povo:

[10]Ingelosi yathi kubo: Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela izindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu okuzakuba kubantu bonke,

[11] é que hoje vos nasceu, na cidade de Davi, o Salvador, que é Cristo, o SENHOR.

[11]ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide.

[12] E isto vos servirá de sinal: encontrareis uma criança envolta em faixas e deitada em manjedoura.

[12]Nalokhu kuyisiboniso kini: niyakufumana umntwana embesiwe, elele emkhombeni.

[13] E, subitamente, apareceu com o anjo uma multidão da milícia celestial, louvando a Deus e dizendo:

[13]Masinyane kwaba khona kanye nengelosi uquqaba lwebandla lasezulwini, lumdumisa uNkulunkulu, luthi:

[14] Glória a Deus nas maiores alturas, e paz na terra entre os homens, a quem ele quer bem.

[14] Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni kubantu abathokozelwa nguye.

[15] E, ausentando-se deles os anjos para o céu, diziam os pastores uns aos outros: Vamos até Belém e vejamos os acontecimentos que o SENHOR nos deu a conhecer.

[15]Kwathi ukuba zimuke kubo izingelosi ziya ezulwini, abelusi bakhuluma bodwa, bathi: Asihambe manje, size sifike eBetlehema, sibone leyo nto eyenzekileyo iNkosi esazisile yona.

[16] Foram apressadamente e acharam Maria e José e a criança deitada na manjedoura.
[17] E, vendo-o, divulgaram o que lhes tinha sido dito a respeito deste menino.
[18] Todos os que ouviram se admiraram das coisas referidas pelos pastores.
[19] Maria, porém, guardava todas estas palavras, meditando-as no coração.
[20] Voltaram, então, os pastores glorificando e louvando a Deus por tudo o que tinham ouvido e visto, como lhes fora anunciado.

A circuncisão de Jesus

[21] Completados oito dias para ser circuncidado o menino, deram-lhe o nome de JESUS, como lhe chamara o anjo, antes de ser concebido.

A apresentação de Jesus no templo

[22] Passados os dias da purificação deles segundo a Lei de Moisés, levaram-no a Jerusalém para o apresentarem ao SENHOR,

[23] conforme o que está escrito na Lei do SENHOR: Todo primogênito ao SENHOR será consagrado;

[24] e para oferecer um sacrifício, segundo o que está escrito na referida Lei: Um par de rolas ou dois pombinhos.

O cântico de Simeão

[25] Havia em Jerusalém um homem chamado Simeão; homem este justo e piedoso que esperava a consolação de Israel; e o Espírito Santo estava sobre ele.

[16]Bephuthuma bafika, bafumanisa oMariya noJosefa, nomntwana olele emkhombeni.
[17]Sebebonile balanda ngalelo zwi ababetshelwe lona ngalowo mntwana.
[18]Bonke abezwayo bamangala ngokukhulunywe kubo ngabelusi.
[19]Kepha uMariya wagcina onke lawo mazwi ezindla ngawo enhliziyweni yakhe.
[20]Babuya-ke abelusi bemdumisa, bembonga uNkulunkulu ngakho konke abakuzwileyo nabakubonileyo, njengalokho kwakukhulunyiwe kubo.

[21] Kwathi seziphelile izinsuku eziyisishiyagalombili zokuba umntwana asokwe, igama lakhe lathiwa uJesu, elaliqanjiwe yingelosi, engakathatshathwa esiswini.

OSimeyoni no-Ana

[22] Kwathi ukuba kuphelele izinsuku zokuhlanjululwa kwabo ngokomthetho kaMose, benyukela naye eJerusalema ukuba bammise phambi kweNkosi
[23] njengokulotshiwe emthethweni weNkosi ukuthi: Konke okwesilisa okuyizibulo kuyakuthiwa okwahlukaniselwe iNkosi ,
[24] banikele ngomhlatshelo njengokushiwo emthethweni weNkosi: Amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba.

[25]Bheka, kwakukhona umuntu eJerusalema ogama lakhe linguSimeyoni; lo muntu wayelungile, emesaba uNkulunkulu, ebhekile induduzo ka-

Israyeli; noMoya oNgcwele wayephezu kwakhe.

[26] Revelara-lhe o Espírito Santo que não passaria pela morte antes de ver o Cristo do SENHOR.

[26]Kwakubonakalisiwe kuye ngoMoya oNgcwele ukuthi akayikubona ukufa engakamboni uKristu weNkosi.

[27] Movido pelo Espírito, foi ao templo; e, quando os pais trouxeram o menino Jesus para fazerem com ele o que a Lei ordenava,

[27]Wafika ngoMoya ethempelini. Kwathi ukuba abazali balethe umntwana uJesu ethempelini ukuba benze kuye njengesiko lomthetho,

[28] Simeão o tomou nos braços e louvou a Deus, dizendo:

[28]wamamukela ngokumgona, wambonga uNkulunkulu, wathi:

[29] Agora, SENHOR, podes despedir em paz o teu servo, segundo a tua palavra;

[29] Sale usumukisa ngokuthula inceku yakho, Somandla, njengezwi lakho,

[30] porque os meus olhos já viram a tua salvação,

[30]ngokuba amehlo ami abonile insindiso yakho

[31] a qual preparaste diante de todos os povos:

[31]oyilungisele ebusweni babantu bonke,

[32] luz para revelação aos gentios, e para glória do teu povo de Israel.

[32] ukukhanya kokwambulela abezizwe nenkazimulo yesizwe sakho u-Israyeli.

[33] E estavam o pai e a mãe do menino admirados do que dele se dizia.

[33]Uyise nonina bamangala ngalokho okukhulunywa ngaye.

[34] Simeão os abençoou e disse a Maria, mãe do menino: Eis que este menino está destinado tanto para ruína como para levantamento de muitos em Israel e para ser alvo de contradição

[34]USimeyoni wababusisa, wathi kuMariya unina: Bheka, lo umiselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi ku-Israyeli, nesibonakaliso esiphikwayo --

[35] (também uma espada traspassará a tua própria alma), para que se manifestem os pensamentos de muitos corações.

[35]yebo, inkemba iyakudabula nowakho umphefumulo -- ukuba kwambulwe izizindlo zezinhliziyo eziningi.

A profetisa Ana

[36] Havia uma profetisa, chamada Ana, filha de Fanuel, da tribo de Aser, avançada em dias, que vivera com seu marido sete anos desde que se casara

[36]Kwakukhona nomprofethikazi, u-Ana, indodakazi kaFanuweli, owesizwe sika-Aseri; wayesekhulile kakhulu, ebehlalile nendoda iminyaka eyisikhombisa emva kobuntombi bakhe,

[37] e que era viúva de oitenta e quatro anos. Esta não deixava o templo, mas adorava noite e dia em jejuns e orações.

[38] E, chegando naquela hora, dava graças a Deus e falava a respeito do menino a todos os que esperavam a redenção de Jerusalém.

O menino Jesus em Nazaré

[39] Cumpridas todas as ordenanças segundo a Lei do SENHOR, voltaram para a Galiléia, para a sua cidade de Nazaré.

[40] Crescia o menino e se fortalecia, enchendo-se de sabedoria; e a graça de Deus estava sobre ele.

O menino Jesus no meio dos doutores

[41] Ora, anualmente iam seus pais a Jerusalém, para a Festa da Páscoa.

[42] Quando ele atingiu os doze anos, subiram a Jerusalém, segundo o costume da festa.

[43] Terminados os dias da festa, ao regressarem, permaneceu o menino Jesus em Jerusalém, sem que seus pais o soubessem.

[44] Pensando, porém, estar ele entre os companheiros de viagem, foram caminho de um dia e, então, passaram a procurá-lo entre os parentes e os conhecidos;

[45] e, não o tendo encontrado, voltaram a Jerusalém à sua procura.

[46] Três dias depois, o acharam no templo, assentado no meio dos doutores, ouvindo-os e interrogando-os.

[37]engumfelokazi waze waba neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nane, engasuki ethempelini, ekhonza ngokuzila nangokukhuleka ubusuku nemini.

[38]Naye-ke efika ngasona leso sikhathi wamtusa uNkulunkulu, wakhuluma ngaye kubo bonke ababebheke ukukhululwa kweJerusalema.

[39]Kwathi sebefeze konke okungokomthetho weNkosi babuyela eGalile emzini wakubo iNazaretha.

[40]Wakhula umntwana, waba namandla, wagcwala ukuhlakanipha; nomusa kaNkulunkulu wawuphezu kwakhe.

Umntwana uJesu ethempelini eneminyaka eyishumi nambili

[41] Abazali bakhe baya eJerusalema iminyaka yonke ngomkhosi wePhasika.

[42]Eseneminyaka eyishumi nambili, bakhuphuka njengokomthetho womkhosi.

[43]Sebeziqedile izinsuku, ekubuyeni kwabo, umntwana uJesu wasala eJerusalema, abazali bakhe bengazi.

[44]Bethi-ke bona uphakathi kwabahambisana nabo bahamba ibanga losuku, bamfuna phakathi kwezihlobo nabazana nabo.

[45]Bengamtholi babuyela eJerusalema, bemfuna.

[46]Kwathi emva kwezinsuku ezintathu bamfumana ethempelini ehlezi phakathi kwabafundisi, ebezwa, ebabuza.

[47] E todos os que o ouviam muito se admiravam da sua inteligência e das suas respostas.
[48] Logo que seus pais o viram, ficaram maravilhados; e sua mãe lhe disse: Filho, por que fizeste assim conosco? Teu pai e eu, aflitos, estamos à tua procura.
[49] Ele lhes respondeu: Por que me procuráveis? Não sabíeis que me cumpria estar na casa de meu Pai?
[50] Não compreenderam, porém, as palavras que lhes dissera.
[51] E desceu com eles para Nazaré; e era-lhes submisso. Sua mãe, porém, guardava todas estas coisas no coração.

[52] E crescia Jesus em sabedoria, estatura e graça, diante de Deus e dos homens.

Lucas 3

A pregação de João Batista

Mateus 3.1-10; Marcos 1.2-5

[1] No décimo quinto ano do reinado de Tibério César, sendo Pôncio Pilatos governador da Judéia, Herodes, tetrarca da Galiléia, seu irmão Filipe, tetrarca da região da Ituréia e Traconites, e Lisânias, tetrarca de Abilene,

[2] sendo sumos sacerdotes Anás e Caifás, veio a palavra de Deus a João, filho de Zacarias, no deserto.
[3] Ele percorreu toda a circunvizinhança do Jordão, pregando batismo de

[47]Bonke ababemuzwa bamangala ngokuqonda nangokuphendula kwakhe.

[48]Bathi bembona, bamangala; unina wathi kuye: Mntanami, usenzeleni okunje na? Bheka, uyihlo nami besikufuna silusizi.
[49]Wathi kubo: Kukanjani, beningifunelani na? Beningazi yini ukuthi kumelwe ukuba ngibe kokukaBaba na?
[50]Abaliqondanga lelo zwi abelikhuluma kubo.
[51]Wehla nabo, wafika eNazaretha, wabathobela. Kepha unina wawagcina onke lawa mazwi enhliziyweni yakhe.
[52] UJesu waqhubeka ekuhlakanipheni, nasekukhuleni, nasemseni kuNkulunkulu nakubantu.

NgokukaLuka 3

Umsebenzi kaJohane uMbhapathizi. Ukubhapathizwa kukaJesu
(Math. 3:1; Mark. 1:1; Joh. 1:6, 19; Math. 3:13; Mark. 1:9)

[1]Kwathi ngomnyaka weshumi nanhlanu wokubusa kukaTiberiyu Kesari, uPontiyu Pilatu engumbusi waseJudiya, uHerode engumtetrarki waseGalile, uFiliphu umfowabo engumtetrarki wezwe lase-Itureya nelaseTrakhoniti, uLisaniya engumtetrarki wase-Abilene,
[2] u-Anase engumpristi omkhulu noKayafase, kwafika izwi likaNkulunkulu kuJohane indodana kaZakariya ehlane.
[3]Weza ezweni lonke laseJordani eshumayela umbhapathizo

arrependimento para remissão de pecados,

wokuphenduka, kube ngukuthethelelwa kwezono,

[4] conforme está escrito no livro das palavras do profeta Isaías: Voz do que clama no deserto: Preparai o caminho do SENHOR, endireitai as suas veredas.

[4]njengokuba kulotshiwe encwadini yamazwi ka-Isaya umprofethi ukuthi: Izwi lomemezayo ehlane, lithi: Lungisani indlela yeNkosi, nenze imikhondo yayo iqonde.

[5] Todo vale será aterrado, e nivelados todos os montes e outeiros; os caminhos tortuosos serão retificados, e os escabrosos, aplanados;

[5]Izigodi zonke ziyakugqitshwa, zonke izintaba namagquma kuyakwehliswa; kuqonde izinsongansonga, nemigoxigoxi ibe yizindlela ezilelezekile;

[6] e toda carne verá a salvação de Deus.

[6]inyama yonke izakubona insindiso kaNkulunkulu.

[7] Dizia ele, pois, às multidões que saíam para serem batizadas: Raça de víboras, quem vos induziu a fugir da ira vindoura?

[7] Ngakho-ke wathi ezixukwini ezaziphumela ukubhapathizwa nguye: Nzalo yezinyoka, ubani onibonise ukubalekela intukuthelo ezayo na?

[8] Produzi, pois, frutos dignos de arrependimento e não comeceis a dizer entre vós mesmos: Temos por pai a Abraão; porque eu vos afirmo que destas pedras Deus pode suscitar filhos a Abraão.

[8]Ngakho vezani izithelo ezifanele ukuphenduka, ningaqali ukuthi phakathi kini: Sinobaba u-Abrahama; ngokuba ngithi kini: UNkulunkulu unamandla okumvusela u-Abrahama abantwana kulawa matshe.

[9] E também já está posto o machado à raiz das árvores; toda árvore, pois, que não produz bom fruto é cortada e lançada ao fogo.

[9] Namanje izembe selibekiwe empandeni yemithi; ngakho yonke imithi engatheli isithelo esihle iyanqunywa, iphonswe emlilweni.

[10] Então, as multidões o interrogavam, dizendo: Que havemos, pois, de fazer?

[10]Izixuku zambuza zathi: Pho, sizakwenzani na?

[11] Respondeu-lhes: Quem tiver duas túnicas, reparta com quem não tem; e quem tiver comida, faça o mesmo.

[11] Waphendula, wathi kubo: Onezingubo ezimbili akamuphe ongenayo; naye onokudla enze njalo.

[12] Foram também publicanos para serem batizados e perguntaram-lhe: Mestre, que havemos de fazer?

[12]Kwafika nabathelisi ukuba babhapathizwe, bathi kuye: Mfundisi, sizakwenzani na?

[13] Respondeu-lhes: Não cobreis mais do que o estipulado.

[14] Também soldados lhe perguntaram: E nós, que faremos? E ele lhes disse: A ninguém maltrateis, não deis denúncia falsa e contentai-vos com o vosso soldo.

João dá testemunho de Jesus

Mateus 3.11-12; Marcos 1.7-8; João 1.19-27

[15] Estando o povo na expectativa, e discorrendo todos no seu íntimo a respeito de João, se não seria ele, porventura, o próprio Cristo,

[16] disse João a todos: Eu, na verdade, vos batizo com água, mas vem o que é mais poderoso do que eu, do qual não sou digno de desatar-lhe as correias das sandálias; ele vos batizará com o Espírito Santo e com fogo.

[17] A sua pá, ele a tem na mão, para limpar completamente a sua eira e recolher o trigo no seu celeiro; porém queimará a palha em fogo inextinguível.

[18] Assim, pois, com muitas outras exortações anunciava o evangelho ao povo;

[19] mas Herodes, o tetrarca, sendo repreendido por ele, por causa de Herodias, mulher de seu irmão, e por todas as maldades que o mesmo Herodes havia feito,

[20] acrescentou ainda sobre todas a de lançar João no cárcere.

O batismo de Jesus

Mateus 3.13-17; Marcos 1.9-11; João 1.32-34

[13]Wathi kubo: Ningabizi lutho ngaphezu kwenikumiselweyo.

[14]Namabutho ambuza athi: Thina-ke, sizakwenzani na? Wathi kuwo: Ningamuki muntu lutho ngendluzula, ningamxabheleli; yaneliswani yizinkokhelo zenu.

[15]Abantu besabhekile, bezindla bonke ezinhliziyweni zabo ngoJohane ukuthi ingabe unguKristu yini,

[16] uJohane waphendula, wathi kubo bonke: Mina kambe nginibhapathiza ngamanzi, kepha uyeza onamandla kunami engingafanele ukuthukulula umchilo wezicathulo zakhe; yena uzakunibhapathiza ngoMoya oNgcwele nangomlilo;

[17]oqoma lakhe lokwela lisesandleni sakhe ukushanelisisa isibuya sakhe nokubuthela ukolweni enqolobaneni yakhe; kepha amakhoba uzakuwashisa ngomlilo ongacimekiyo.

[18]Nangokunye okuningi washumayela ivangeli kubantu, ebayala.

[19] Kepha uHerode umtetrarki, esolwa nguye ngenxa kaHerodiya umkamfowabo nangenxa yakho konke okubi abekwenzile uHerode,

[20]wenezela nalokhu kokunye konke, wamvalela uJohane etilongweni.

[21] E aconteceu que, ao ser todo o povo batizado, também o foi Jesus; e, estando ele a orar, o céu se abriu,

[22] e o Espírito Santo desceu sobre ele em forma corpórea como pomba; e ouviu-se uma voz do céu: Tu és o meu Filho amado, em ti me comprazo.

A genealogia de Jesus Cristo
Mateus 1.1-16

[23] Ora, tinha Jesus cerca de trinta anos ao começar o seu ministério. Era, como se cuidava, filho de José, filho de Eli;

[24] Eli, filho de Matate, Matate, filho de Levi, Levi, filho de Melqui, este, filho de Janai, filho de José;

[25] José, filho de Matatias, Matatias, filho de Amós, Amós, filho de Naum, este, filho de Esli, filho de Nagai;

[26] Nagai, filho de Maate, Maate, filho de Matatias, Matatias, filho de Semei, este, filho de José, filho de Jodá;

[27] Jodá, filho de Joanã, Joanã, filho de Resa, Resa, filho de Zorobabel, este, de Salatiel, filho de Neri;

[28] Neri, filho de Melqui, Melqui, filho de Adi, Adi, filho de Cosã, este, de Elmadã, filho de Er;

[29] Er, filho de Josué, Josué, filho de Eliézer, Eliézer, filho de Jorim, este, de Matate, filho de Levi;

[30] Levi, filho de Simeão, Simeão, filho de Judá, Judá, filho de José, este, filho de Jonã, filho de Eliaquim;

[21]Kwathi bebhapathiziwe abantu bonke, naye uJesu esebhapathiziwe, ekhuleka, izulu lavuleka,

[22]uMoya oNgcwele enesimo somzimba njengejuba wehlela phezu kwakhe; kwavela izwi ezulwini, lithi: Wena uyiNdodana yami ethandekayo; ngithokozile ngawe.

Izizukulwane zikaJesu
(Math. 1:1)

[23]Yena uJesu, ukuqala kwakhe, wayeneminyaka engaba ngamashumi amathathu, eyindodana, njengokushiwoyo, kaJosefa ka-Eli

[24]kaMathati kaLevi kaMeliki kaJanayi kaJosefa

[25]kaMatathiya ka-Amose kaNahume ka-Eseli kaNagayi

[26]kaMati, kaMatathiya kaSemeyini kaJosefa kaJuda

[27]kaJohanani kaResa kaZorobabeli kaSalatiyeli kaNeri

[28]kaMeliki ka-Adi kaKosamu ka-Elimadamu ka-Eri

[29]kaJose ka-Eliyezeri kaJorimi kaMathati kaLevi

[30]kaSimeyoni kaJuda kaJosefa kaJonamu ka-Eliyakimi

31 Eliaquim, filho de Meleá, Meleá, filho de Mená, Mená, filho de Matatá, este, filho de Natã, filho de Davi;

32 Davi, filho de Jessé, Jessé, filho de Obede, Obede, filho de Boaz, este, filho de Salá, filho de Naassom;

33 Naassom, filho de Aminadabe, Aminadabe, filho de Admim, Admim, filho de Arni, Arni, filho de Esrom, este, filho de Perez, filho de Judá;

34 Judá, filho de Jacó, Jacó, filho de Isaque, Isaque, filho de Abraão, este, filho de Tera, filho de Naor;

35 Naor, filho de Serugue, Serugue, filho de Ragaú, Ragaú, filho de Faleque, este, filho de Éber, filho de Salá;

36 Salá, filho de Cainã, Cainã, filho de Arfaxade, Arfaxade, filho de Sem, este, filho de Noé, filho de Lameque;

37 Lameque, filho de Metusalém, Metusalém, filho de Enoque, Enoque, filho de Jarede, este, filho de Maalalel, filho de Cainã;

38 Cainã, filho de Enos, Enos, filho de Sete, e este, filho de Adão, filho de Deus.

Lucas 4

A tentação de Jesus
Mateus 4.1-11; Marcos 1.12-13

1 Jesus, cheio do Espírito Santo, voltou do Jordão e foi guiado pelo mesmo Espírito, no deserto,

2 durante quarenta dias, sendo tentado pelo diabo. Nada comeu naqueles dias, ao fim dos quais teve fome.

31kaMeleya kaMena kaMathata kaNathamu kaDavide

32 kaJesayi ka-Obede kaBowasi kaSala kaNasoni

33 ka-Aminadaba ka-Adameyini ka-Arani ka-Esiromu kaFaresi kaJuda

34 kaJakobe ka-Isaka ka-Abrabama kaThara kaNahori

35kaSeruki kaRagawu kaFaleki ka-Ebere kaSala

36kaKayinamu ka-Arfakisadi kaSemi kaNowa kaLameka

37kaMathusala ka-Enoke kaJarethi kaMaleleyeli kaKayinani

38 ka-Enose kaSeti ka-Adamu kaNkulunkulu.

NgokukaLuka 4

Ukulingwa kukaJesu
(Math. 4:1; Mark. 1:12)

1UJesu egcwele uMoya oNgcwele wabuya eJordani, waholekela ngoMoya ehlane,

2 elingwa nguSathane izinsuku ezingamashumi amane. Akadlanga lutho kulezo zinsuku; seziphelile, walamba.

[3] Disse-lhe, então, o diabo: Se és o Filho de Deus, manda que esta pedra se transforme em pão.

[4] Mas Jesus lhe respondeu: Está escrito: Não só de pão viverá o homem.

[5] E, elevando-o, mostrou-lhe, num momento, todos os reinos do mundo.

[6] Disse-lhe o diabo: Dar-te-ei toda esta autoridade e a glória destes reinos, porque ela me foi entregue, e a dou a quem eu quiser.

[7] Portanto, se prostrado me adorares, toda será tua.

[8] Mas Jesus lhe respondeu: Está escrito: Ao SENHOR, teu Deus, adorarás e só a ele darás culto.

[9] Então, o levou a Jerusalém, e o colocou sobre o pináculo do templo, e disse: Se és o Filho de Deus, atira-te daqui abaixo;

[10] porque está escrito: Aos seus anjos ordenará a teu respeito que te guardem;

[11] e: Eles te susterão nas suas mãos, para não tropeçares nalguma pedra.

[12] Respondeu-lhe Jesus: Dito está: Não tentarás o SENHOR, teu Deus.

[13] Passadas que foram as tentações de toda sorte, apartou-se dele o diabo, até momento oportuno.

[3]Wayesethi kuye uSathane: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho kuleli tshe ukuba libe yisinkwa.

[4] UJesu wamphendula wathi: Kulotshiwe ukuthi: Akusinkwa sodwa umuntu azakuphila ngaso.

[5]Esemenyusela entabeni ende wambonisa imibuso yonke yezwe ngomzuzwanyana.

[6]USathane wathi kuye: Amandla onke lana ngokunika wena kanye nenkazimulo yawo, ngokuba inikwe mina, futhi ngiyinika noma ubani ngokuthanda kwami.

[7]Ngakho-ke wena, uma ukhuleka phambi kwami, konke kuzakuba ngokwakho.

[8] UJesu waphendula, wathi kuye: Kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa.

[9]Wayesemholela eJerusalema, wammisa esiqongweni sethempeli, wathi kuye: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi lapha,

[10]ngokuba kulotshiwe ukuthi:

[11] Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikulinde, nokuthi: Ziyakukuthwala ngezandla, ungaze waqhuzuka etsheni ngonyawo lwakho.

[12] UJesu waphendula, wathi kuye: Kwathiwa: Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.

[13]USathane eseqede ukulinga konke wamuka kuye isikhathi.

Jesus volta para a Galileia e principia a sua missão

Mateus 4.12-17; Marcos 1.14-15

[14] Então, Jesus, no poder do Espírito, regressou para a Galiléia, e a sua fama correu por toda a circunvizinhança.

[15] E ensinava nas sinagogas, sendo glorificado por todos.

Jesus prega em Nazaré. É rejeitado pelos seus

Mateus 13.54-58; Marcos 6.1-4

[16] Indo para Nazaré, onde fora criado, entrou, num sábado, na sinagoga, segundo o seu costume, e levantou-se para ler.

[17] Então, lhe deram o livro do profeta Isaías, e, abrindo o livro, achou o lugar onde estava escrito:

[18] O Espírito do SENHOR está sobre mim, pelo que me ungiu para evangelizar os pobres; enviou-me para proclamar libertação aos cativos e restauração da vista aos cegos, para pôr em liberdade os oprimidos,

[19] e apregoar o ano aceitável do SENHOR.

[20] Tendo fechado o livro, devolveu-o ao assistente e sentou-se; e todos na sinagoga tinham os olhos fitos nele.

[21] Então, passou Jesus a dizer-lhes: Hoje, se cumpriu a Escritura que acabais de ouvir.

[22] Todos lhe davam testemunho, e se maravilhavam das palavras de graça que lhe saíam dos lábios, e perguntavam: Não é este o filho de José?

UJesu udelelwa ngabaseNazaretha

(Math. 13:53; Mark. 6:1)

[14]UJesu wabuyela eGalile ngamandla kaMoya; udumo lwakhe lwanda kulo lonke izwe langakhona.

[15]Wafundisa emasinagogeni abo edunyiswa yibo bonke.

[16]Wafika eNazaretha, lapho wayondliwa khona, wangena esinagogeni ngosuku lwesabatha njengokwenza kwakhe, wasukumela ukufunda.

[17]Wanikwa incwadi ka-Isaya umprofethi, wayivula incwadi, wafumana indawo okulotshwe kuyo ukuthi:

[18] UMoya weNkosi uphezu kwami, ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu, ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo, nokubona kwabayizimpumputhe, nokuhlenga abacindezelweyo,

[19] nokumemezela umnyaka omuhle weNkosi.

[20]Wayigoqonga incwadi, wayinika isikhonzi, wahlala; amehlo abo bonke ababesesinagogeni amgqolozela.

[21]Waqala ukukhuluma kubo, ethi: Namhlanje ugcwalisekile lo mbhalo ezindlebeni zenu.

[22]Bonke bamfakazela bemangala ngamazwi omusa aphuma emlonyeni wakhe, bathi: Lo akasiyo indodana kaJosefa na?

[23] Disse-lhes Jesus: Sem dúvida, citar-me-eis este provérbio: Médico, cura-te a ti mesmo; tudo o que ouvimos ter-se dado em Cafarnaum, faze-o também aqui na tua terra.

[24] E prosseguiu: De fato, vos afirmo que nenhum profeta é bem recebido na sua própria terra.

[25] Na verdade vos digo que muitas viúvas havia em Israel no tempo de Elias, quando o céu se fechou por três anos e seis meses, reinando grande fome em toda a terra;

[26] e a nenhuma delas foi Elias enviado, senão a uma viúva de Sarepta de Sidom.

[27] Havia também muitos leprosos em Israel nos dias do profeta Eliseu, e nenhum deles foi purificado, senão Naamã, o siro.

[28] Todos na sinagoga, ouvindo estas coisas, se encheram de ira.

[29] E, levantando-se, expulsaram-no da cidade e o levaram até ao cimo do monte sobre o qual estava edificada, para, de lá, o precipitarem abaixo.

[30] Jesus, porém, passando por entre eles, retirou-se.

A cura de um endemoninhado em Cafarnaum

Marcos 1.21-28

[31] E desceu a Cafarnaum, cidade da Galiléia, e os ensinava no sábado.

[23]Wathi kubo: Nempela niyakusho kimi lesi saga sokuthi: Nyanga, zelaphe wena. Lokho esikuzwile kwenziwa eKapernawume, kwenze nalapha ezweni lakini.

[24]Wathi-ke: Ngiqinisile ngithi kini: Akukho mprofethi owamukelwa ezweni lakubo.

[25] Kepha ngempela ngithi kini: Kwakukhona kwa-Israyeli abafelokazi abaningi emihleni ka-Eliya, lapho izulu lalivalekile iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha, kwaba khona indlala enkulu ezweni lonke;

[26]kepha u-Eliya kathunyelwanga nakoyedwa kubona, kuphela eSarepita laseSidoni kowesifazane ongumfelokazi.

[27]Kwakukhona futhi kwa-Israyeli abanochoko abaningi ngesikhathi sika-Elisha umprofethi; kepha akuhlanjululwanga namunye kubo, kuphela uNayimani umSiriya.

[28]Bonke ababesesinagogeni bagcwala ulaka bekuzwa lokho.

[29]Basukuma, bamxosha emzini, bamqhubela ekwengameni kwentaba umuzi wabo owakhiwe phezu kwayo, ukuze bamkhalakathelisele phansi.

[30]Kepha yena edabula phakathi kwabo wamuka.

Ukuphiliswa kweziguli eKapernawume

(Mark. 1:23; Math. 8:14)

[31]Wehlela eKapernawume umuzi waseGalile. Wayebafundisa ngosuku lwesabatha.

[32] E muito se maravilhavam da sua doutrina, porque a sua palavra era com autoridade.

[32]Bamangala ngokufundisa kwakhe, ngokuba izwi lakhe lalinamandla.

[33] Achava-se na sinagoga um homem possesso de um espírito de demônio imundo, e bradou em alta voz:

[33]Kwakukhona esinagogeni umuntu onomoya wedemoni elingcolileyo, wamemeza ngezwi elikhulu, wathi:

[34] Ah! Que temos nós contigo, Jesus Nazareno? Vieste para perder-nos? Bem sei quem és: o Santo de Deus!

[34] Hhiya! Sinamsebenzi muni nawe Jesu waseNazaretha? Uze ukusibhubhisa na? Ngiyakwazi ukuba ungubani: ungoNgcwele kaNkulunkulu.

[35] Mas Jesus o repreendeu, dizendo: Cala-te e sai deste homem. O demônio, depois de o ter lançado por terra no meio de todos, saiu dele sem lhe fazer mal.

[35]UJesu wamkhuza wathi: Thula, uphume kuye! Idemoni lamphonsa phansi phakathi kwabo, laphuma kuye lingamlimazanga.

[36] Todos ficaram grandemente admirados e comentavam entre si, dizendo: Que palavra é esta, pois, com autoridade e poder, ordena aos espíritos imundos, e eles saem?

[36]Behlelwa ngukwesaba bonke, bakhuluma bodwa, bathi: Yizwi lini leli lokuba ayale omoya abangcolileyo ngegunya nangamandla, baphume?

[37] E a sua fama corria por todos os lugares da circunvizinhança.

[37]Kwanda udumo ngaye kuzo zonke izindawo zangakhona.

A cura da sogra de Pedro

Mateus 8.14-15; Marcos 1.29-31

[38] Deixando ele a sinagoga, foi para a casa de Simão. Ora, a sogra de Simão achava-se enferma, com febre muito alta; e rogaram-lhe por ela.

[38]Wasuka esinagogeni, wangena endlini kaSimoni. Kepha umkhwekazi kaSimoni wayebanjwe ngumkhuhlane omkhulu; bamnxusa ngaye.

[39] Inclinando-se ele para ela, repreendeu a febre, e esta a deixou; e logo se levantou, passando a servi-los.

[39]Wamengama, wakhuza umkhuhlane; wona wamyeka; wasuka masinyane, wabakhonza.

Muitas outras curas

Mateus 8.16-17; Marcos 1.32-34

[40] Ao pôr-do-sol, todos os que tinham enfermos de diferentes moléstias lhos traziam; e ele os curava, impondo as mãos sobre cada um.

[40]Ukushona kwelanga bonke ababe nabagulayo izifo ngezifo babaletha kuye; ebeka izandla phezu kwabo ngabanye wabaphulukisa.

41 Também de muitos saíam demônios, gritando e dizendo: Tu és o Filho de Deus! Ele, porém, os repreendia para que não falassem, pois sabiam ser ele o Cristo.

41Kwaphuma namademoni kwabaningi ememeza ethi: Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Kepha wawakhuza, kawavumelanga ukuba akhulume, ngokuba ayemazi ukuthi unguKristu.

Jesus vai a um lugar deserto
Marcos 1.35-39

42 Sendo dia, saiu e foi para um lugar deserto; as multidões o procuravam, e foram até junto dele, e instavam para que não os deixasse.

42Sekusile, waphuma waya endaweni eyihlane; izixuku zamfuna, zaze zafika kuye impela, zambamba ukuba angamuki kuzo.

43 Ele, porém, lhes disse: É necessário que eu anuncie o evangelho do reino de Deus também às outras cidades, pois para isso é que fui enviado.

43Kepha wathi kuzo: Nakweminye imizi ngimelwe ukushumayela ivangeli lombuso kaNkulunkulu, ngokuba ngithunyelwe lokho.

44 E pregava nas sinagogas da Judéia.

44Washumayela emasinagogeni aseGalile.

Lucas 5

A pesca maravilhosa
Mateus 4.18-22; Marcos 1.16-20

1 Aconteceu que, ao apertá-lo a multidão para ouvir a palavra de Deus, estava ele junto ao lago de Genesaré;

2 e viu dois barcos junto à praia do lago; mas os pescadores, havendo desembarcado, lavavam as redes.

3 Entrando em um dos barcos, que era o de Simão, pediu-lhe que o afastasse um pouco da praia; e, assentando-se, ensinava do barco as multidões.

4 Quando acabou de falar, disse a Simão: Faze-te ao largo, e lançai as vossas redes para pescar.

5 Respondeu-lhe Simão: Mestre, havendo trabalhado toda a noite, nada apanhamos, mas sob a tua palavra lançarei as redes.

NgokukaLuka 5

Ukubizwa kukaPetru nababe naye
(Math. 4:18; Mark. 1:16)

1Kwathi isixuku simbunganyela ukuba sizwe izwi likaNkulunkulu, wayemi ngaselwandle lwaseGenesaretha,

2wabona imikhumbi emibili imi ngaselwandle; abadobi babephumile kuyo behlanza amanetha.

3Esengene komunye wemikhumbi ongokaSimoni wamcela ukuba asuke kancane emhlabathini. Wahlala phansi, wabafundisa abantu esemkhunjini.

4 Kuthe esegcinile ukukhuluma, wathi kuSimoni: Qhubekela ekujuleni, nehlise amanetha enu, nibambe.

5USimoni waphendula wathi: Nkosi, sishikile ubusuku bonke, asibambanga lutho; kepha ngezwi lakho ngiyakuwehlisa amanetha.

[6] Isto fazendo, apanharam grande quantidade de peixes; e rompiam-se-lhes as redes.
[7] Então, fizeram sinais aos companheiros do outro barco, para que fossem ajudá-los. E foram e encheram ambos os barcos, a ponto de quase irem a pique.

[8] Vendo isto, Simão Pedro prostrou-se aos pés de Jesus, dizendo: SENHOR, retira-te de mim, porque sou pecador.

[9] Pois, à vista da pesca que fizeram, a admiração se apoderou dele e de todos os seus companheiros,

[10] bem como de Tiago e João, filhos de Zebedeu, que eram seus sócios. Disse Jesus a Simão: Não temas; doravante serás pescador de homens.

[11] E, arrastando eles os barcos sobre a praia, deixando tudo, o seguiram.

A cura de um leproso

Mateus 8.1-4; Marcos 1.40-45

[12] Aconteceu que, estando ele numa das cidades, veio à sua presença um homem coberto de lepra; ao ver a Jesus, prostrando-se com o rosto em terra, suplicou-lhe: SENHOR, se quiseres, podes purificar-me.
[13] E ele, estendendo a mão, tocou-lhe, dizendo: Quero, fica limpo! E, no mesmo instante, lhe desapareceu a lepra.
[14] Ordenou-lhe Jesus que a ninguém o dissesse, mas vai, disse, mostra-te ao sacerdote e oferece, pela tua purificação,

[6]Sebekwenzile lokho babamba izinhlanzi eziningi kakhulu, aze agqabuka amanetha abo.
[7]Babaqhweba omana babo abakomunye umkhumbi ukuba beze, bababambise. Beza-ke, bayigcwalisa imikhumbi yomibili, yaze yathi ayizike.
[8]Kuthe uSimoni Petru ekubona lokho, waziphonsa phansi ngasemadolweni kaJesu, wathi: Suka kimi, Nkosi, ngokuba ngingumuntu oyisoni.
[9]Ngokuba ubehlelwa ngukwesaba, yena kanye nabo bonke ababe naye, ngobuningi bezinhlanzi ababezibambile,
[10]kanjalo-ke noJakobe noJohane amadodana kaZebedewu ababesebenzisana noSimoni. UJesu wathi kuSimoni: Ungesabi; kusukela manje uzakubamba abantu.
[11] Sebeyilethile imikhumbi emhlabathini bashiya konke, bamlandela.

UJesu uphilisa umuntu onochoko

(Math. 8:1; Mark. 1:40)

[12]Kwathi ekomunye wemizi, bheka, nanso indoda egcwele uchoko. Kuthe embona uJesu, wawa ngobuso, wamnxusa wathi: Nkosi, uma uthanda, ungangihlambulula.

[13]Welula isandla sakhe, wamphatha, wathi: Ngiyathanda; hlambuluka. Masinyane uchoko lwasuka kuye.
[14] Wamyala ukuba angatsheli muntu, wathi: Kepha suka, uzibonakalise kumpristi, unikele ngokuhlanjululwa

o sacrifício que Moisés determinou, para servir de testemunho ao povo.

[15] Porém o que se dizia a seu respeito cada vez mais se divulgava, e grandes multidões afluíam para o ouvirem e serem curadas de suas enfermidades.

[16] Ele, porém, se retirava para lugares solitários e orava.

A cura de um paralítico em Cafarnaum

Mateus 9.1-8; Marcos 2.1-12

[17] Ora, aconteceu que, num daqueles dias, estava ele ensinando, e achavam-se ali assentados fariseus e mestres da Lei, vindos de todas as aldeias da Galiléia, da Judéia e de Jerusalém. E o poder do SENHOR estava com ele para curar.

[18] Vieram, então, uns homens trazendo em um leito um paralítico; e procuravam introduzi-lo e pô-lo diante de Jesus.

[19] E, não achando por onde introduzi-lo por causa da multidão, subindo ao eirado, o desceram no leito, por entre os ladrilhos, para o meio, diante de Jesus.

[20] Vendo-lhes a fé, Jesus disse ao paralítico: Homem, estão perdoados os teus pecados.

[21] E os escribas e fariseus arrazoavam, dizendo: Quem é este que diz blasfêmias? Quem pode perdoar pecados, senão Deus?

[22] Jesus, porém, conhecendo-lhes os pensamentos, disse-lhes: Que arrazoais em vosso coração?

kwakho, njengalokho uMose akuyalayo, kube ngubufakazi kubo.

[15]Kwayilapho ukukhuluma ngaye kwanda kakhulu. Zabuthana izixuku eziningi ukuzwa nokuphulukiswa ezifweni zazo.

[16]Kepha yena wamonyukela ehlane, wakhuleka.

UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi. Ukubizwa kukaLevi

(Math. 9:1; Mark. 2:1)

[17]Kwathi ngolunye lwalezo zinsuku yena esafundisa, kwakuhlezi khona abaFarisi nabafundisi bomthetho ababephuma emizini yonke yaseGalile neJudiya neJerusalema. Namandla eNkosi ayekuye ukuba aphulukise.

[18]Bheka-ke, nanko amadoda ethwele ohlakeni umuntu ofe uhlangothi, efuna ukumngenisa nokumbeka phambi kwakhe.

[19]Engafumani ukuthi angamngenisa kanjani ngenxa yesixuku akhwela phezu kwendlu, amehlisa ophahleni kanye nohlaka ngaphakathi phambi kukaJesu.

[20]Ebona ukukholwa kwawo wathi: Mngane, uthethelelwe izono zakho.

[21]Ababhali nabaFarisi baqala ukuzindla ngokuthi: Ngubani lo okhuluma ngokuhlambalaza? Ngubani ongathethelela izono ngaphandle kukaNkulunkulu yedwa na?

[22]Kepha uJesu ezazi izizindlo zabo waphendula, wathi kubo: Nizindlani ezinhliziyweni zenu na?

[23] Qual é mais fácil, dizer: Estão perdoados os teus pecados ou: Levanta-te e anda?

[24] Mas, para que saibais que o Filho do Homem tem sobre a terra autoridade para perdoar pecados – disse ao paralítico: Eu te ordeno: Levanta-te, toma o teu leito e vai para casa.

[25] Imediatamente, se levantou diante deles e, tomando o leito em que permanecera deitado, voltou para casa, glorificando a Deus.

[26] Todos ficaram atônitos, davam glória a Deus e, possuídos de temor, diziam: Hoje, vimos prodígios.

A vocação de Levi

Mateus 9.9; Marcos 2.13-14

[27] Passadas estas coisas, saindo, viu um publicano, chamado Levi, assentado na coletoria, e disse-lhe: Segue-me!

[28] Ele se levantou e, deixando tudo, o seguiu.

Jesus come com pecadores

Mateus 9.10-13; Marcos 2.15-17

[29] Então, lhe ofereceu Levi um grande banquete em sua casa; e numerosos publicanos e outros estavam com eles à mesa.

[30] Os fariseus e seus escribas murmuravam contra os discípulos de Jesus, perguntando: Por que comeis e bebeis com os publicanos e pecadores?

[23]Yikuphi okulula ukuthi: Uthethelelwe izono zakho, noma ukuthi: Vuka uhambe, na?

[24]Kepha ukuze nazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni okuthethelela izono, wayesethi kofe uhlangothi: Kuwena ngithi: Vuka uthabathe uhlaka lwakho, uye endlini yakho.

[25]Wasukuma khona lapho phambi kwabo, wathabatha lokho abelele kukho, wamuka waya endlini yakhe emdumisa uNkulunkulu.

[26]Ukumangala kwabehlela bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bagcwala ukwesaba, bathi: Sibonile izimanga namuhla.

[27]Emva kwalokho waphuma, wabona umthelisi, igama lakhe nguLevi, ehlezi endaweni yokuthela, wathi kuye: Ngilandele.

[28]Washiya konke, wasukuma, wamlandela.

[29]ULevi wamenzela isidlo esikhulu endlini yakhe; kwakukhona isixuku esikhulu sabathelisi nabanye ababehlezi nabo ekudleni.

[30]AbaFarisi nababhali bakhonona kubafundi bakhe, bathi: Yini ukuba nidle niphuze nabathelisi nezoni na?

[31] Respondeu-lhes Jesus: Os sãos não precisam de médico, e sim os doentes.

[32] Não vim chamar justos, e sim pecadores, ao arrependimento.

Do jejum

Mateus 9.14-17; Marcos 2.18-22

[33] Disseram-lhe eles: Os discípulos de João e bem assim os dos fariseus freqüentemente jejuam e fazem orações; os teus, entretanto, comem e bebem.

[34] Jesus, porém, lhes disse: Podeis fazer jejuar os convidados para o casamento, enquanto está com eles o noivo?

[35] Dias virão, contudo, em que lhes será tirado o noivo; naqueles dias, sim, jejuarão.

[36] Também lhes disse uma parábola: Ninguém tira um pedaço de veste nova e o põe em veste velha; pois rasgará a nova, e o remendo da nova não se ajustará à velha.

[37] E ninguém põe vinho novo em odres velhos, pois o vinho novo romperá os odres; entornar-se-á o vinho, e os odres se estragarão.

[38] Pelo contrário, vinho novo deve ser posto em odres novos [e ambos se conservam].

[39] E ninguém, tendo bebido o vinho velho, prefere o novo; porque diz: O velho é excelente.

Lucas 6

Jesus é senhor do sábado

Mateus 12.1-8; Marcos 2.23-28

[31]Waphendula uJesu, wathi kubo: Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa.

[32] Kangizelanga ukubiza abalungileyo kodwa izoni ukuba ziphenduke.

Ukuzila ukudla

(Math. 9:14; Mark. 2:18)

[33]Base bethi kuye: Abafundi bakaJohane bazila kaningi, benze imikhuleko, kanjalo nababaFarisi, kepha abakho bayadla, baphuze.

[34]Kepha uJesu, wathi kubo: Ningabazilisa yini abayeni, umyeni esenabo na?

[35]Kodwa kuzakufika izinsuku, lapho umyeni ezakususwa kubo; yikhona bezakuzila ngalezo zinsuku.

[36]Wabatshela nomfanekiso wokuthi: Akakho odabula isiziba engutsheni entsha, asibekele engutsheni endala; uma enza lokho, uyayona entsha, futhi isiziba sentsha asizukuzwana nendala.

[37]Futhi akakho othela iwayini elisha ezimvabeni ezindala funa iwayini elisha liqhumise izimvaba, lichitheke lona, nezimvaba zonakale.

[38]Kodwa iwayini elisha limelwe ukuthelwa ezimvabeni ezintsha.

[39]Akakho othi ephuze iwayini elidala, afune elisha, ngokuba uthi elidala limnandi.

NgokukaLuka 6

UJesu uchachisa umyalelo wesabatha

(Math. 12:1; Mark. 2:23)

[1] Aconteceu que, num sábado, passando Jesus pelas searas, os seus discípulos colhiam e comiam espigas, debulhando-as com as mãos.

[2] E alguns dos fariseus lhes disseram: Por que fazeis o que não é lícito aos sábados?

[3] Respondeu-lhes Jesus: Nem ao menos tendes lido o que fez Davi, quando teve fome, ele e seus companheiros?

[4] Como entrou na casa de Deus, tomou, e comeu os pães da proposição, e os deu aos que com ele estavam, pães que não lhes era lícito comer, mas exclusivamente aos sacerdotes?

[5] E acrescentou-lhes: O Filho do Homem é senhor do sábado.

O homem da mão ressequida

Mateus 12.9-14; Marcos 3.1-6

[6] Sucedeu que, em outro sábado, entrou ele na sinagoga e ensinava. Ora, achava-se ali um homem cuja mão direita estava ressequida.

[7] Os escribas e os fariseus observavam-no, procurando ver se ele faria uma cura no sábado, a fim de acharem de que o acusar.

[8] Mas ele, conhecendo-lhes os pensamentos, disse ao homem da mão ressequida: Levanta-te e vem para o meio; e ele, levantando-se, permaneceu de pé.

[9] Então, disse Jesus a eles: Que vos parece? É lícito, no sábado, fazer o bem ou o mal? Salvar a vida ou deixá-la perecer?

[1]Kwathi ngesabatha wadabula amasimu; abafundi bakhe bakha izikhwebu, badla bezihlikihla ngezandla.

[2] Kepha abathile babaFarisi bathi: Nenzelani lokho okungavunyelwe ngesabatha na?

[3] UJesu ebaphendula wathi: Anifundanga yini ngalokho akwenza uDavide mhla elambile yena nababe naye

[4] ukuthi wangena endlini kaNkulunkulu, wathatha izinkwa zokubukwa ezingavunyelwe ukudliwa muntu, ngabapristi bodwa, wadla, wanika nababe naye, na?

[5]Wathi kubo: INdodana yomuntu iyiNkosi neyesabatha.

UJesu uphilisa ngesabatha

(Math. 12:9; Mark. 3:1)

[6]Kwathi-ke ngelinye isabatha wangena esinagogeni, wafundisa. Kwakukhona umuntu lapho osandla sakhe sokunene sasishwabene.

[7]Ababhali nabaFarisi bamqaphelisisa ukuthi uyaphilisa yini ngesabatha, ukuze bathole ukumbeka icala.

[8]Kepha wazazi izizindlo zabo wathi kuyo indoda esandla sishwabene: Sukuma, ume phakathi. Wasukuma-ke, wema.

[9]UJesu wathi kubo: Ngiyanibuza ukuthi kuvunyelwe ngesabatha ukwenza okuhle noma okubi yini, ukusindisa umuntu noma ukumbulala, na?

[10] E, fitando todos ao redor, disse ao homem: Estende a mão. Ele assim o fez, e a mão lhe foi restaurada.

[11] Mas eles se encheram de furor e discutiam entre si quanto ao que fariam a Jesus.

A escolha dos doze apóstolos. Os seus nomes
Mateus 10.1-4; Marcos 3.13-19

[12] Naqueles dias, retirou-se para o monte, a fim de orar, e passou a noite orando a Deus.

[13] E, quando amanheceu, chamou a si os seus discípulos e escolheu doze dentre eles, aos quais deu também o nome de apóstolos:

[14] Simão, a quem acrescentou o nome de Pedro, e André, seu irmão; Tiago e João; Filipe e Bartolomeu;

[15] Mateus e Tomé; Tiago, filho de Alfeu, e Simão, chamado Zelote;

[16] Judas, filho de Tiago, e Judas Iscariotes, que se tornou traidor.

Jesus cura muitos enfermos
Mateus 4.23-25

[17] E, descendo com eles, parou numa planura onde se encontravam muitos discípulos seus e grande multidão do povo, de toda a Judéia, de Jerusalém e do litoral de Tiro e de Sidom,

[18] que vieram para o ouvirem e serem curados de suas enfermidades; também os atormentados por espíritos imundos eram curados.

[19] E todos da multidão procuravam tocá-lo, porque dele saía poder; e curava todos.

[10]Esebaqalazile bonke wathi kuye: Yelula isandla sakho. Wenze njalo-ke saze saphiliswa isandla sakhe.

[11]Base begcwala ukuhlanya, bakhuluma bodwa ngokuthi bangamenze njani uJesu.

Ukukhethwa kwabaphostoli
(Math. 10:1; Mark. 3:13)

[12]Kwathi ngalezo zinsuku waphuma waya entabeni ukuyokhuleka; wahlala ubusuku bonke ekhuleka kuNkulunkulu.

[13]Kwathi sekusile, wababiza abafundi bakhe, wakhetha kubo abayishumi nambili, wabaqamba ngokuthi abaphostoli:

[14]uSimoni owamqamba ngokuthi uPetru, no-Andreya umfowabo, noJakobe, noJohane, noFiliphu, noBartolomewu,

[15]noMathewu, noTomase, noJakobe ka-Alfewu, noSimoni othiwa isishisekeli,

[16]noJuda kaJakobe, noJuda Iskariyothe owaba ngumkhapheli.

[17]Khona wehla nabo, wema endaweni eyithafa kanye nesixuku esikhulu sabafundi bakhe noququaba lwabantu abavela kulo lonke laseJudiya, naseJerusalema, nangaselwandle lwaseTire neSidoni,

[18]ababezile ukumuzwa nokuphulukiswa ezifweni zabo; nababekhathazwa ngawomoya abangcolileyo baphulukiswa.

[19] Isixuku sonke safuna ukumthinta, ngokuba kwakuphuma kuye amandla abaphilisa bonke.

As bem-aventuranças
Mateus 5.1-12

[20] Então, olhando ele para os seus discípulos, disse-lhes: Bem-aventurados vós, os pobres, porque vosso é o reino de Deus.

[21] Bem-aventurados vós, os que agora tendes fome, porque sereis fartos. Bem-aventurados vós, os que agora chorais, porque haveis de rir.

[22] Bem-aventurados sois quando os homens vos odiarem e quando vos expulsarem da sua companhia, vos injuriarem e rejeitarem o vosso nome como indigno, por causa do Filho do Homem.

[23] Regozijai-vos naquele dia e exultai, porque grande é o vosso galardão no céu; pois dessa forma procederam seus pais com os profetas.

Os ais

[24] Mas ai de vós, os ricos! Porque tendes a vossa consolação.

[25] Ai de vós, os que estais agora fartos! Porque vireis a ter fome. Ai de vós, os que agora rides! Porque haveis de lamentar e chorar.

[26] Ai de vós, quando todos vos louvarem! Porque assim procederam seus pais com os falsos profetas.

Da vingança
Mateus 5.38-42

[27] Digo-vos, porém, a vós outros que me ouvis: amai os vossos inimigos, fazei o bem aos que vos odeiam;

[28] bendizei aos que vos maldizem, orai pelos que vos caluniam.

Intshumayelo yasentabeni
(Math. 5:1)

[20]Wayesephakamisela amehlo akhe ngakubafundi bakhe, wathi: Nibusisiwe nina bampofu, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowenu.

[21]Nibusisiwe nina balambileyo kalokhu, ngokuba niyakusuthiswa. Nibusisiwe nina bakhalayo kalokhu, ngokuba niyakuhleka.

[22]Nibusisiwe, nxa abantu benizonda nanxa benicwasa, benithuka, belilahla igama lenu ngokungathi libi ngenxa yeNdodana yomuntu.

[23] Thokozani ngalolo suku, nigxume; ngokuba bhekani, umvuzo wenu mkhulu ezulwini; ngokuba oyise babo benze njalo kubaprofethi.

[24] Kepha maye kinina bacebileyo, ngokuba niyamukele induduzo yenu!

[25]Maye kinina basuthiyo kalokhu, ngokuba niyakulamba! Maye kinina bahlekayo kalokhu, ngokuba niyakulila, nikhale!

[26]Maye kinina, nxa abantu bonke bekhuluma kahle ngani, ngokuba oyise babo benze njalo kubaprofethi bamanga!

[27] Kepha ngithi kini enizwayo: Thandani izitha zenu, nenze okuhle kwabanizondayo,

[28] nibusise abaniqalekisayo, nibakhulekele abanidumazayo.

[29] Ao que te bate numa face, oferece-lhe também a outra; e, ao que tirar a tua capa, deixa-o levar também a túnica;

[30] dá a todo o que te pede; e, se alguém levar o que é teu, não entres em demanda.

[31] Como quereis que os homens vos façam, assim fazei-o vós também a eles.

Do amor ao próximo

Mateus 5.43-48

[32] Se amais os que vos amam, qual é a vossa recompensa? Porque até os pecadores amam aos que os amam.

[33] Se fizerdes o bem aos que vos fazem o bem, qual é a vossa recompensa? Até os pecadores fazem isso.

[34] E, se emprestais àqueles de quem esperais receber, qual é a vossa recompensa? Também os pecadores emprestam aos pecadores, para receberem outro tanto.

[35] Amai, porém, os vossos inimigos, fazei o bem e emprestai, sem esperar nenhuma paga; será grande o vosso galardão, e sereis filhos do Altíssimo. Pois ele é benigno até para com os ingratos e maus.

[36] Sede misericordiosos, como também é misericordioso vosso Pai.

O juízo temerário é proibido

Mateus 7.1-5

[37] Não julgueis e não sereis julgados; não condeneis e não sereis condenados; perdoai e sereis perdoados;

[38] dai, e dar-se-vos-á; boa medida, recalcada, sacudida, transbordante, generosamente vos darão; porque com a

[29] Okushaya esihlathini, mnike nesinye; nokwaphuca ingubo, ungamnqabeli nebhantshi.

[30] Muphe yilowo nalowo ocela kuwe; nokwaphuca okwakho, ungabuyi ukubize kuye.

[31]Njengalokhu nithanda ukuba abantu benze kini, yenzani njalo kubo.

[32] Uma nithanda abanithandayo, ninakubongwa kuni na? Ngokuba nezoni zithanda abazithandayo.

[33]Ngakho uma nenza okuhle kwabenza okuhle kini, ninakubongwa kuni na? Ngokuba nezoni zenza khona lokho.

[34]Uma nitsheleka labo enithemba ukwamukela kubo, ninakubongwa kuni na? Nezoni zitsheleka izoni ukuba zamukele okungako.

[35]Kepha thandani izitha zenu, nenze okuhle, nitsheleke, ningadikibali; nomvuzo wenu uyakuba mkhulu, nibe ngabantwana boPhezukonke, ngokuba umnene yena kwabangabongiyo nababi.

[36]Yibani nesihawu, njengokuba uYihlo enesihawu.

[37] Ningahluleli, khona anisoze nahlulelwa; ningalahli, khona anisoze nalahlwa; thethelelani, khona niyakuthethelelwa.

[38] Yiphani, khona niyakuphiwa; bayakunipha esifubeni senu isilinganiso esihle, esigxushiweyo, esigqishiweyo, esichichimayo; ngokuba ngesilinganiso

medida com que tiverdes medido vos medirão também.

enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso.

A parábola do cego que guia a outro cego

[39] Propôs-lhes também uma parábola: Pode, porventura, um cego guiar a outro cego? Não cairão ambos no barranco?

[39]Wabatshela nomfanekiso wokuthi: Impumputhe ingahola impumputhe na? Aziyikukhalakathela emgodini zombili na?

[40] O discípulo não está acima do seu mestre; todo aquele, porém, que for bem instruído será como o seu mestre.

[40]Umfundi kaphezu komfundisi; kepha yilowo ophelelisiwe uyakuba njengomfundisi wakhe.

[41] Por que vês tu o argueiro no olho de teu irmão, porém não reparas na trave que está no teu próprio?

[41] Ubhekelani ucezwana olusesweni lomfowenu, kanti ugongolo olukwelakho iso awuluboni na?

[42] Como poderás dizer a teu irmão: Deixa, irmão, que eu tire o argueiro do teu olho, não vendo tu mesmo a trave que está no teu? Hipócrita, tira primeiro a trave do teu olho e, então, verás claramente para tirar o argueiro que está no olho de teu irmão.

[42]Ungasho kanjani kumfowenu ukuthi: Mfowethu, ake ngikhiphe ucezwana olusesweni lakho, wena ongaboni ugongolo olukwelakho iso, na? Mzenzisi, khipha kuqala ugongolo olukwelakho iso, yikhona uyakubonisisa ukukhipha ucezwana olusesweni lomfowenu.

Árvores e seus frutos

Mateus 12.33-35

[43] Não há árvore boa que dê mau fruto; nem tampouco árvore má que dê bom fruto.

[43] Ngokuba akukho muthi omuhle othela isithelo esibi; futhi nomuthi omubi awutheli isithelo esihle.

[44] Porquanto cada árvore é conhecida pelo seu próprio fruto. Porque não se colhem figos de espinheiros, nem dos abrolhos se vindimam uvas.

[44]Ngokuba yilowo nalowo muthi waziwa ngesithelo sawo. Akukhiwa kambe amakhiwane emeveni, nezithelo zomvini azikhiwa ejikijolweni.

[45] O homem bom do bom tesouro do coração tira o bem, e o mau do mau tesouro tira o mal; porque a boca fala do que está cheio o coração.

[45]Umuntu omuhle uveza okuhle emfuyweni enhle yenhliziyo, nomubi uveza okubi emfuyweni embi; ngokuba umlomo wakhe ukhuluma ngokuchichima kwenhliziyo.

Os dois fundamentos

Mateus 7.24-27

[46] Por que me chamais SENHOR, SENHOR, e não fazeis o que vos mando?

[47] Todo aquele que vem a mim, e ouve as minhas palavras, e as pratica, eu vos mostrarei a quem é semelhante.

[48] É semelhante a um homem que, edificando uma casa, cavou, abriu profunda vala e lançou o alicerce sobre a rocha; e, vindo a enchente, arrojou-se o rio contra aquela casa e não a pôde abalar, por ter sido bem construída.

[49] Mas o que ouve e não pratica é semelhante a um homem que edificou uma casa sobre a terra sem alicerces, e, arrojando-se o rio contra ela, logo desabou; e aconteceu que foi grande a ruína daquela casa.

[46] Ningibizelani ngokuthi: Nkosi, Nkosi, ningakwenzi engikushoyo, na?

[47]Yilowo nalowo oza kimi, ezwe amazwi ami, awenze, ngonikhombisa lowo afana naye.

[48]Ufana nomuntu owayakha indlu, wemba washonisa, wabeka isisekelo edwaleni. Ekufikeni kwesikhukhula umfula washaya leyo ndlu, kepha wawungenamandla okuyinyakazisa, ngokuba yayakhiwe kahle.

[49]Kodwa ozwayo engenzi unjengomuntu owakha indlu emhlabathini ingenasisekelo; umfula wayishaya, yawa masinyane; kwaba kukhulu ukudilika kwaleyo ndlu.

Lucas 7

A cura do servo de um centurião

Mateus 8.5-13

[1] Tendo Jesus concluído todas as suas palavras dirigidas ao povo, entrou em Cafarnaum.

[2] E o servo de um centurião, a quem este muito estimava, estava doente, quase à morte.

[3] Tendo ouvido falar a respeito de Jesus, enviou-lhe alguns anciãos dos judeus, pedindo-lhe que viesse curar o seu servo.

[4] Estes, chegando-se a Jesus, com instância lhe suplicaram, dizendo: Ele é digno de que lhe faças isto;

[5] porque é amigo do nosso povo, e ele mesmo nos edificou a sinagoga.

NgokukaLuka 7

Ukuphulukiswa kwenceku yenduna

(Math. 8:5)

[1]Kwathi eseqede onke amazwi akhe ezindlebeni zabantu, wangena eKapernawume.

[2]Inceku yenduna yekhulu ethile ethandekayo kuyo yayigula, isizakufa.

[3]Isizwile ngoJesu yathuma amalunga abaJuda kuye, imcela ukuba eze ayisindise inceku yayo.

[4]Esefikile kuJesu amncenga kakhulu, ethi: Ifanele ukuba uyenzele lokho,

[5]ngokuba ithanda isizwe sakithi; yiyo esakhele isinagoge.

[6] Então, Jesus foi com eles. E, já perto da casa, o centurião enviou-lhe amigos para lhe dizer: SENHOR, não te incomodes, porque não sou digno de que entres em minha casa.

[7] Por isso, eu mesmo não me julguei digno de ir ter contigo; porém manda com uma palavra, e o meu rapaz será curado.

[8] Porque também eu sou homem sujeito à autoridade, e tenho soldados às minhas ordens, e digo a este: vai, e ele vai; e a outro: vem, e ele vem; e ao meu servo: faze isto, e ele o faz.

[9] Ouvidas estas palavras, admirou-se Jesus dele e, voltando-se para o povo que o acompanhava, disse: Afirmo-vos que nem mesmo em Israel achei fé como esta.

[10] E, voltando para casa os que foram enviados, encontraram curado o servo.

A ressurreição do filho da viúva de Naim

[11] Em dia subseqüente, dirigia-se Jesus a uma cidade chamada Naim, e iam com ele os seus discípulos e numerosa multidão.

[12] Como se aproximasse da porta da cidade, eis que saía o enterro do filho único de uma viúva; e grande multidão da cidade ia com ela.

[13] Vendo-a, o SENHOR se compadeceu dela e lhe disse: Não chores!

[14] Chegando-se, tocou o esquife e, parando os que o conduziam, disse: Jovem, eu te mando: levanta-te!

[15] Sentou-se o que estivera morto e passou a falar; e Jesus o restituiu a sua mãe.

[6]UJesu wayesehamba nawo. Kepha engasekude nendlu, induna yekhulu yathumela kuye abahlobo, bathi kuye: Nkosi, ungazihluphi, ngokuba angifanele ukuba ungene phansi kophahla lwami.

[7]Ngakho angizibonanga ukuthi ngifanele ukuza kuwe; kepha yisho izwi, khona inceku yami iyakusinda.

[8]Ngokuba nami ngingumuntu ophansi kwamakhosi, nginamabutho phansi kwami; ngithi kwelinye: Hamba, lihambe; nakwelinye: Woza, lize; nasencekwini yami: Yenza lokhu, ikwenze.

[9]UJesu ekuzwa lokho wamangala ngayo, waphenduka, wathi esixukwini esimlandelayo: Ngithi kini: Angizange ngifumane ukukholwa okungaka nakwa-Israyeli.

[10]Ababethunyiwe sebebuyele ekhaya bafumana inceku isindile.

Indodana yomfelokazi waseNayini ivuswa ekufeni

[11]Kwathi ngangomuso waya emzini othiwa iNayini; kwahamba naye abafundi bakhe nesixuku esikhulu.

[12]Esesondela esangweni lomuzi, bheka, kwaphunyiswa ofileyo, indodana eyodwa kanina, yena engumfelokazi; nabantu abaningi bomuzi babe naye.

[13]Yathi iNkosi isimbona, yamhawukela, yathi kuye: Ungakhali.

[14]Yasondela, yathinta uhlaka; abaluthweleyo base bema. Yayisithi: Nsizwa, ngithi kuwe: Vuka!

[15]Ofileyo wavuka, waqala ukukhuluma; yamnika unina.

[16] Todos ficaram possuídos de temor e glorificavam a Deus, dizendo: Grande profeta se levantou entre nós; e: Deus visitou o seu povo.

[17] Esta notícia a respeito dele divulgou-se por toda a Judéia e por toda a circunvizinhança.

João envia mensageiros a Jesus

Mateus 11.2-6

[18] Todas estas coisas foram referidas a João pelos seus discípulos. E João, chamando dois deles,

[19] enviou-os ao SENHOR para perguntar: És tu aquele que estava para vir ou havemos de esperar outro?

[20] Quando os homens chegaram junto dele, disseram: João Batista enviou-nos para te perguntar: És tu aquele que estava para vir ou esperaremos outro?

[21] Naquela mesma hora, curou Jesus muitos de moléstias, e de flagelos, e de espíritos malignos; e deu vista a muitos cegos.

[22] Então, Jesus lhes respondeu: Ide e anunciai a João o que vistes e ouvistes: os cegos vêem, os coxos andam, os leprosos são purificados, os surdos ouvem, os mortos são ressuscitados, e aos pobres, anuncia-se-lhes o evangelho.

[23] E bem-aventurado é aquele que não achar em mim motivo de tropeço.

Jesus dá testemunho de João

Mateus 11.7-19

[16]Bafikelwa ngukwesaba bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bathi: Kuvele umprofethi omkhulu phakathi kwethu, nokuthi: UNkulunkulu ubahambele abantu bakhe.

[17]Kwaphumela leli zwi ngaye kulo lonke iJudiya nakulo lonke langakhona.

Ukufakaza kukaJesu kubafundi bakaJohane nakubantu

(Math. 11:2)

[18]Abafundi bakaJohane bambikela ngazo zonke lezo zinto.

[19]UJohane wayesebiza ababili kubafundi bakhe, wabathumela eNkosini, wathi: Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?

[20]Amadoda esefikile kuyo athi: UJohane uMbhapathizi usithumele kuwe, ethi: Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?

[21]Ngalowo mzuzu yayiphulukisa abaningi ezifweni nasebuhlungwini nakomoya ababi; nezimpumputhe eziningi yazipha ukubona.

[22] Yaphendula, yathi kuwo: Hambani nimlandise uJohane lokho enikubonile nenikuzwile ukuthi: Izimpumputhe ziyabona, izinyonga ziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa, izithulu ziyezwa, abafileyo bayavuswa, abampofu bayashunyayezwa ivangeli;

[23]ubusisiwe ongayikukhubeka ngami.

[24] Tendo-se retirado os mensageiros, passou Jesus a dizer ao povo a respeito de João: Que saístes a ver no deserto? Um caniço agitado pelo vento?

[25] Que saístes a ver? Um homem vestido de roupas finas? Os que se vestem bem e vivem no luxo assistem nos palácios dos reis.

[26] Sim, que saístes a ver? Um profeta? Sim, eu vos digo, e muito mais que profeta.

[27] Este é aquele de quem está escrito: Eis aí envio diante da tua face o meu mensageiro, o qual preparará o teu caminho diante de ti.

[28] E eu vos digo: entre os nascidos de mulher, ninguém é maior do que João; mas o menor no reino de Deus é maior do que ele.

[29] Todo o povo que o ouviu e até os publicanos reconheceram a justiça de Deus, tendo sido batizados com o batismo de João;

[30] mas os fariseus e os intérpretes da Lei rejeitaram, quanto a si mesmos, o desígnio de Deus, não tendo sido batizados por ele.

[31] A que, pois, compararei os homens da presente geração, e a que são eles semelhantes?

[32] São semelhantes a meninos que, sentados na praça, gritam uns para os outros: Nós vos tocamos flauta, e não

[24]Sezimukile izithunywa zikaJohane, yaqala ukukhuluma ezixukwini ngoJohane, ithi: Naphuma naya ehlane ukuyobonani na? Umhlanga ontengantengiswa ngumoya na?

[25]Kanti naphuma ukuyobonani na? Umuntu owembethe izingubo ezinothonotho na? Bhekani, abembethe okukhazimulayo, betamasa, basezindlini zamakhosi.

[26]Kodwa naphuma ukuyobonani na? Umprofethi na? Yebo, ngithi kini: Odlula umprofethi.

[27] Nguye okulotshwe ngaye ukuthi: Bheka, ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso bakho esiyakulungisa indlela yakho phambi kwakho.

[28] Ngithi kini: Kwabazelwe ngabesifazane akakho omkhulu kunoJohane; kepha omncane embusweni kaNkulunkulu mkhulu kunaye.

[29] Abantu bonke, yebo, nabathelisi sebezwile bamvuma uNkulunkulu, babhapathizwa ngombhapathizo kaJohane.

[30]Kepha abaFarisi nezazimthetho balenza ize icebo likaNkulunkulu maqondana nabo bengabhapathizwanga nguye.

[31] Pho-ke, abantu balesi sizukulwane ngiyakubafanisa nani na? Bafana nani na?

[32]Bafana nabantwana abahlezi esigcawini bememezana bethi: Sinibethele imitshingo, anisinanga; salilisela, anikhalanga.

dançastes; entoamos lamentações, e não chorastes.

33 Pois veio João Batista, não comendo pão, nem bebendo vinho, e dizeis: Tem demônio!

34 Veio o Filho do Homem, comendo e bebendo, e dizeis: Eis aí um glutão e bebedor de vinho, amigo de publicanos e pecadores!

35 Mas a sabedoria é justificada por todos os seus filhos.

A pecadora que ungiu os pés de Jesus

36 Convidou-o um dos fariseus para que fosse jantar com ele. Jesus, entrando na casa do fariseu, tomou lugar à mesa.

37 E eis que uma mulher da cidade, pecadora, sabendo que ele estava à mesa na casa do fariseu, levou um vaso de alabastro com ungüento;

38 e, estando por detrás, aos seus pés, chorando, regava-os com suas lágrimas e os enxugava com os próprios cabelos; e beijava-lhe os pés e os ungia com o ungüento.

39 Ao ver isto, o fariseu que o convidara disse consigo mesmo: Se este fora profeta, bem saberia quem e qual é a mulher que lhe tocou, porque é pecadora.

40 Dirigiu-se Jesus ao fariseu e lhe disse: Simão, uma coisa tenho a dizer-te. Ele respondeu: Dize-a, Mestre.

41 Certo credor tinha dois devedores: um lhe devia quinhentos denários, e o outro, cinqüenta.

33 Ngokuba uJohane uMbhapathizi ufikile engadli sinkwa, engaphuzi wayini; nithike: Unedemoni.

34 Ifikile iNdodana yomuntu, idla, iphuza, senithi: Bhekani, umuntu oyisiminzi nesiphuzi, umhlobo wabathelisi nezoni.

35 Kodwa ukuhlakanipha kuvunyiwe ngabantwana bakho bonke.

Owesifazane oyisoni endlini yomFarisi

36 Omunye wabaFarisi wammema ukuba adle naye; esengene endlini yomFarisi wahlala ekudleni.

37 Bheka, kwakukhona emzini owesifazane oyisoni; wathi esazi ukuthi uhlezi ekudleni endlini yomFarisi, weza nomfuma wamafutha,

38 wema emuva ngasezinyaweni zakhe ekhala, waqala ukumatisa izinyawo zakhe ngezinyembezi, wazesula ngezinwele zekhanda lakhe, wazanga izinyawo zakhe, wazigcoba ngamafutha.

39 Kuthe umFarisi obemmemile ekubona, wazindla wathi: Uma lo ebengumprofethi, nga emazi lo wesifazane omphathayo ukuba ungubani nokuba unjani, ngokuba uyisoni.

40 UJesu waphendula, wathi kuye: Simoni, kukhona engifuna ukukukhuluma kuwe. Wathi: Khuluma-ke, Mfundisi.

41 Kwakukhona abantu ababili abanamacala kumtshelekisi othile; icala lomunye lalingodenariyu abangamakhulu

ayisihlanu, elomunye amashumi ayisihlanu.

[42] Não tendo nenhum dos dois com que pagar, perdoou-lhes a ambos. Qual deles, portanto, o amará mais?

[42]Bengenanto yokukhokha, wabayekela bobabili. Ngumuphi kubo konje oyakumthanda kakhulu na?

[43] Respondeu-lhe Simão: Suponho que aquele a quem mais perdoou. Replicou-lhe: Julgaste bem.

[43]USimoni waphendula wathi: Ngithi yilowo amyekela okukhulu. Wathi kuye: Unqume kahle.

[44] E, voltando-se para a mulher, disse a Simão: Vês esta mulher? Entrei em tua casa, e não me deste água para os pés; esta, porém, regou os meus pés com lágrimas e os enxugou com os seus cabelos.

[44]Ephendukela kowesifazane wathi kuSimoni: Uyambona lo wesifazane na? Ngingene endlini yakho, awunginikanga amanzi ezinyawo, kepha yena uzimatisile izinyawo zami ngezinyembezi, wazesula ngezinwele zakhe.

[45] Não me deste ósculo; ela, entretanto, desde que entrei não cessa de me beijar os pés.

[45]Awunganganga, kepha lo, yilokhu ngingenile, akayekanga ukwanga izinyawo zami.

[46] Não me ungiste a cabeça com óleo, mas esta, com bálsamo, ungiu os meus pés.

[46]Ikhanda lami awuligcobanga ngamafutha, kepha lo uzigcobile izinyawo zami ngamafutha.

[47] Por isso, te digo: perdoados lhe são os seus muitos pecados, porque ela muito amou; mas aquele a quem pouco se perdoa, pouco ama.

[47]Ngenxa yalokho ngithi kuwe: Izono zakhe eziningi zithethelelwe, ngokuba uthandile kakhulu; kepha othethelelwa okuncane uthanda kancane.

[48] Então, disse à mulher: Perdoados são os teus pecados.

[48]Wayesethi kuye: Zithethelelwe izono zakho.

[49] Os que estavam com ele à mesa começaram a dizer entre si: Quem é este que até perdoa pecados?

[49]Ababehlezi naye ekudleni baqala ukusho phakathi kwabo ukuthi: Ngubani lo othethelela nezono na?

[50] Mas Jesus disse à mulher: A tua fé te salvou; vai-te em paz.

[50]Kepha wathi kowesifazane: Ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba, ube nokuthula.

Lucas 8

As mulheres que assistiam Jesus

NgokukaLuka 8

UJesu ushumayela ngemifanekiso

(Math. 13:1; Mark. 4:1)

[1] Aconteceu, depois disto, que andava Jesus de cidade em cidade e de aldeia em aldeia, pregando e anunciando o evangelho do reino de Deus, e os doze iam com ele,

[2] e também algumas mulheres que haviam sido curadas de espíritos malignos e de enfermidades: Maria, chamada Madalena, da qual saíram sete demônios;

[3] e Joana, mulher de Cuza, procurador de Herodes, Suzana e muitas outras, as quais lhe prestavam assistência com os seus bens.

A parábola do semeador

Mateus 13.1-9; Marcos 4.1-9

[4] Afluindo uma grande multidão e vindo ter com ele gente de todas as cidades, disse Jesus por parábola:

[5] Eis que o semeador saiu a semear. E, ao semear, uma parte caiu à beira do caminho; foi pisada, e as aves do céu a comeram.

[6] Outra caiu sobre a pedra; e, tendo crescido, secou por falta de umidade.

[7] Outra caiu no meio dos espinhos; e estes, ao crescerem com ela, a sufocaram.

[8] Outra, afinal, caiu em boa terra; cresceu e produziu a cento por um. Dizendo isto, clamou: Quem tem ouvidos para ouvir, ouça.

A explicação da parábola

Mateus 13.10-23; Marcos 4.10-20

[9] E os seus discípulos o interrogaram, dizendo: Que parábola é esta?

[1]Kwathi emva kwalokho wayehamba imizi nemizana eshumayela ememezela ivangeli lombuso, benaye abayishumi nambili

[2]nabesifazane abathile ababephulukiswe kubo omoya ababi nasezifweni: uMariya obizwa ngokuthi uMagdalena, okwakuphume kuye amademoni ayisikhombisa,

[3]noJowana umkaKhuza, induna kaHerode, noSusana, nabanye abaningi ababebakhonza ngempahla yabo.

[4]Sekubuthene kuye isixuku esikhulu sivela emizini ngemizi, wakhuluma ngomfanekiso, wathi:

[5] Kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela imbewu yakhe. Ekuhlwanyeleni kwakhe enye yawela ngasendleleni; yanyathelwa, izinyoni zezulu zayidla, zayiqeda.

[6]Enye yawela edwaleni; kuthe imila, yabuna, ngokuba ingenamswakama.

[7]Enye yawela phakathi kwameva, kwaze kwathi ameva esemila kanye nayo, ayiminyanisa.

[8]Enye yawela emhlabathini omuhle; kuthe imila, yathela ngekhulu. Ekusho lokhu wamemeza wathi: Onezindlebe zokuzwa makezwe.

[9]Abafundi bakhe bambuza ukuthi ungaba yini lowo mfanekiso na?

[10] Respondeu-lhes Jesus: A vós outros é dado conhecer os mistérios do reino de Deus; aos demais, fala-se por parábolas, para que, vendo, não vejam; e, ouvindo, não entendam.

[10]Wathi-ke: Niphiwe nina ukwazi izimfihlakalo zombuso kaNkulunkulu, kepha abanye bakuphiwa ngemifanekiso ukuba bebona bangaboni, bezwa bangaqondi.

[11] Este é o sentido da parábola: a semente é a palavra de Deus.

[11] Umfanekiso yilokhu-ke: imbewu iyizwi likaNkulunkulu.

[12] A que caiu à beira do caminho são os que a ouviram; vem, a seguir, o diabo e arrebata-lhes do coração a palavra, para não suceder que, crendo, sejam salvos.

[12]Abangasendleleni yilabo abathi sebezwile, bese kufika uSathane, alisuse izwi enhliziyweni yabo ukuba bangakholwa, basindiswe.

[13] A que caiu sobre a pedra são os que, ouvindo a palavra, a recebem com alegria; estes não têm raiz, crêem apenas por algum tempo e, na hora da provação, se desviam.

[13]Abasedwaleni yilabo abathi sebezwile, balamukele izwi ngokuthokoza; kepha laba kabanampande, bakholwa isikhashana nje, kuthi ngesikhathi sokulingwa bahlubuke.

[14] A que caiu entre espinhos são os que ouviram e, no decorrer dos dias, foram sufocados com os cuidados, riquezas e deleites da vida; os seus frutos não chegam a amadurecer.

[14]Okuwele phakathi kwameva yilabo abathi sebezwile, bahambe, baminyaniswe ngeminako nengcebo nezinjabulo zokuphila, bangatheli izithelo ezivuthiwe.

[15] A que caiu na boa terra são os que, tendo ouvido de bom e reto coração, retêm a palavra; estes frutificam com perseverança.

[15]Okusemhlabathini omuhle yilabo abathi belizwile izwi, balibambe ngenhliziyo enhle nelungileyo, bathele izithelo ngokubekezela.

A parábola da candeia

Marcos 4.21-25

[16] Ninguém, depois de acender uma candeia, a cobre com um vaso ou a põe debaixo de uma cama; pelo contrário, coloca-a sobre um velador, a fim de que os que entram vejam a luz.

[16] Akakho othi esokhela isibani, asimboze ngesitsha nokuba asibeke phansi kombhede, kepha usifaka othini, ukuze abangenayo babone ukukhanya.

[17] Nada há oculto, que não haja de manifestar-se, nem escondido, que não venha a ser conhecido e revelado.

[17]Ngokuba akukho okusithekileyo okungayikuhlaluka nokuyisifuba okungayikwaziwa, kube sobala.

[18] Vede, pois, como ouvis; porque ao que tiver, se lhe dará; e ao que não tiver, até aquilo que julga ter lhe será tirado.

A família de Jesus
Mateus 12.46-50; Marcos 3.31-35

[19] Vieram ter com ele sua mãe e seus irmãos e não podiam aproximar-se por causa da concorrência de povo.

[20] E lhe comunicaram: Tua mãe e teus irmãos estão lá fora e querem ver-te.

[21] Ele, porém, lhes respondeu: Minha mãe e meus irmãos são aqueles que ouvem a palavra de Deus e a praticam.

Jesus acalma uma tempestade
Mateus 8.23-27; Marcos 4.35-41

[22] Aconteceu que, num daqueles dias, entrou ele num barco em companhia dos seus discípulos e disse-lhes: Passemos para a outra margem do lago; e partiram.

[23] Enquanto navegavam, ele adormeceu. E sobreveio uma tempestade de vento no lago, correndo eles o perigo de soçobrar.

[24] Chegando-se a ele, despertaram-no dizendo: Mestre, Mestre, estamos perecendo! Despertando-se Jesus, repreendeu o vento e a fúria da água. Tudo cessou, e veio a bonança.

[25] Então, lhes disse: Onde está a vossa fé? Eles, possuídos de temor e admiração, diziam uns aos outros: Quem é este que até aos ventos e às ondas repreende, e lhe obedecem?

A cura do endemoninhado geraseno
Mateus 8.28-33; Marcos 5.1-14

[26] Então, rumaram para a terra dos gerasenos, fronteira da Galiléia.

5Kodwa ngiyakunitshengisa eniyakumesaba: Mesabeni lowo othi esebulele, abe namandla okuphonsa esihogweni. Yebo, ngithi kini: Mesabeni lowo.

6 Não se vendem cinco pardais por dois asses? Entretanto, nenhum deles está em esquecimento diante de Deus.

6Akuthengwa yini imizwilili eyisihlanu ngezindibilishi ezimbili na? Akukhohlakele namunye kuyo emehlweni kaNkulunkulu.

7 Até os cabelos da vossa cabeça estão todos contados. Não temais! Bem mais valeis do que muitos pardais.

7Kodwa nezinwele zekhanda lenu zibaliwe zonke. Maningesabi; nidlula imizwilili eminingi.

8 Digo-vos ainda: todo aquele que me confessar diante dos homens, também o Filho do Homem o confessará diante dos anjos de Deus;

8 Futhi ngithi kini: Yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu neNdodana yomuntu iyakumvuma yena phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu;

9 mas o que me negar diante dos homens será negado diante dos anjos de Deus.

9kepha ongiphika phambi kwabantu uyakuphikwa phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu.

10 Todo aquele que proferir uma palavra contra o Filho do Homem, isso lhe será perdoado; mas, para o que blasfemar contra o Espírito Santo, não haverá perdão.

10 Nalowo okhuluma izwi elibi ngeNdodana yomuntu uyakuthethelelwa, kepha ohlambalaza uMoya oNgcwele kayikuthethelelwa.

11 Quando vos levarem às sinagogas e perante os governadores e as autoridades, não vos preocupeis quanto ao modo por que respondereis, nem quanto às coisas que tiverdes de falar.

11 Kepha nxa beniqhubela emasinagogeni, nakubabusi, nakuzo iziphathimandla, ningakhathazeki ngokuthi niyakuziphendulela kanjani nangokuthini, nokuba niyakukhulumani,

[12] Porque o Espírito Santo vos ensinará, naquela mesma hora, as coisas que deveis dizer.

Jesus reprova a avareza

[13] Nesse ponto, um homem que estava no meio da multidão lhe falou: Mestre, ordena a meu irmão que reparta comigo a herança.

[14] Mas Jesus lhe respondeu: Homem, quem me constituiu juiz ou partidor entre vós?

[15] Então, lhes recomendou: Tende cuidado e guardai-vos de toda e qualquer avareza; porque a vida de um homem não consiste na abundância dos bens que ele possui.

[16] E lhes proferiu ainda uma parábola, dizendo: O campo de um homem rico produziu com abundância.

[17] E arrazoava consigo mesmo, dizendo: Que farei, pois não tenho onde recolher os meus frutos?

[18] E disse: Farei isto: destruirei os meus celeiros, reconstruí-los-ei maiores e aí recolherei todo o meu produto e todos os meus bens.

[19] Então, direi à minha alma: tens em depósito muitos bens para muitos anos; descansa, come, bebe e regala-te.

[20] Mas Deus lhe disse: Louco, esta noite te pedirão a tua alma; e o que tens preparado, para quem será?

[21] Assim é o que entesoura para si mesmo e não é rico para com Deus.

A ansiosa solicitude pela vida

Mateus 6.25-34

[12]ngokuba uMoya oNgcwele uyakunifundisa ngasona leso sikhathi okufanele nikukhulume.

Umlimi onothileyo. Iminako yomhlaba

[13]Omunye wesixuku wathi kuye: Mfundisi, shono kumfowethu ukuba abelane nami ifa.

[14]Kepha wathi kuye: Mngane, ubani ongimise ngibe ngumahluleli noma umahlukanisi phezu kwenu na?

[15] Wayesethi kubo: Bhekani, nixwaye ukuhaha konke, ngokuba ukuphila komuntu akumi ngobuningi bempahla yakhe.

[16]Wabalandisa umfanekiso, wathi: Izwe lomuntu othile onothileyo lathela kahle.

[17]Wazindla phakathi kwakhe, wathi: Ngizakwenzani, lokhu ngingenandawo engingabuthela kuyo ukudla kwami, na?

[18] Wayesethi: Ngizakwenza lokhu: ngizakudiliza izinqolobane zami, ngakhe ezinkulu, ngibuthele khona ukudla kwami konke nempahla yami.

[19]Bese ngithi kuwo umphefumulo wami: Mphefumulo, unempahla eningi ebekelelwe iminyaka emmingi; phumula, udle, uphuze, ujabule.

[20] Kepha uNkulunkulu wathi kuye: Wena siwula, ngalobu busuku umphefumulo wakho uzakubizwa kuwe; pho-ke, izinto ozilungisileyo ziyakuba ngezikabani na?

[21] Kunjalo kozibekelela ingcebo enganothile kuNkulunkulu.

[22] A seguir, dirigiu-se Jesus a seus discípulos, dizendo: Por isso, eu vos advirto: não andeis ansiosos pela vossa vida, quanto ao que haveis de comer, nem pelo vosso corpo, quanto ao que haveis de vestir.

[23] Porque a vida é mais do que o alimento, e o corpo, mais do que as vestes.

[24] Observai os corvos, os quais não semeiam, nem ceifam, não têm despensa nem celeiros; todavia, Deus os sustenta. Quanto mais valeis do que as aves!

[25] Qual de vós, por ansioso que esteja, pode acrescentar um côvado ao curso da sua vida?

[26] Se, portanto, nada podeis fazer quanto às coisas mínimas, por que andais ansiosos pelas outras?

[27] Observai os lírios; eles não fiam, nem tecem. Eu, contudo, vos afirmo que nem Salomão, em toda a sua glória, se vestiu como qualquer deles.

[28] Ora, se Deus veste assim a erva que hoje está no campo e amanhã é lançada no forno, quanto mais tratando-se de vós, homens de pequena fé!

[29] Não andeis, pois, a indagar o que haveis de comer ou beber e não vos entregueis a inquietações.

[30] Porque os gentios de todo o mundo é que procuram estas coisas; mas vosso Pai sabe que necessitais delas.

[22] Wayesethi kubafundi bakhe: Ngakho-ke ngithi kini: Ningakhathazeki ngokuphila kwenu ukuthi niyakudlani, nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani.

[23]Ngokuba ukuphila kukhulu kunokudla, nomzimba kunesambatho.

[24]Bhekani izingwababana ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azinaxhiba nanqolobane, kepha uNkulunkulu uyazondla; nina nizidlula kakhulu kangakanani izinyoni.

[25]Ngumuphi kini ongathi ngokukhathazeka enezele ebudeni bakhe ingalo na?

[26]Ngalokho nxa ningenamandla okwenza nokuncinyane, yini ukuba nikhathazeke ngokunye na?

[27] Bhekani iminduze ukuthi imila kanjani; ayiphothi, ayaluki, kepha ngithi kini noSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye wayo.

[28]Uma uNkulunkulu embathisa kanjalo utshani basendle obukhona namuhla, ngomuso buphonswe eziko, kakhulu kangakanani uyakunembathisa nina eninokukholwa okuncane.

[29]Nani maningafuni eniyakukudla neniyakukuphuza; ningakhathazeki.

[30]Ngokuba konke lokho kufunwa ngabezizwe bomhlaba, kepha uYihlo uyazi ukuthi niyakudinga lokho.

[31] Buscai, antes de tudo, o seu reino, e estas coisas vos serão acrescentadas.

[32] Não temais, ó pequenino rebanho; porque vosso Pai se agradou em dar-vos o seu reino.

[33] Vendei os vossos bens e dai esmola; fazei para vós outros bolsas que não desgastem, tesouro inextinguível nos céus, onde não chega o ladrão, nem a traça consome,

[34] porque, onde está o vosso tesouro, aí estará também o vosso coração.

A parábola do servo vigilante

[35] Cingido esteja o vosso corpo, e acesas, as vossas candeias.

[36] Sede vós semelhantes a homens que esperam pelo seu senhor, ao voltar ele das festas de casamento; para que, quando vier e bater à porta, logo lha abram.

[37] Bem-aventurados aqueles servos a quem o senhor, quando vier, os encontre vigilantes; em verdade vos afirmo que ele há de cingir-se, dar-lhes lugar à mesa e, aproximando-se, os servirá.

[38] Quer ele venha na segunda vigília, quer na terceira, bem-aventurados serão eles, se assim os achar.

[39] Sabei, porém, isto: se o pai de família soubesse a que hora havia de vir o ladrão, [vigiaria e] não deixaria arrombar a sua casa.

[40] Ficai também vós apercebidos, porque, à hora em que não cuidais, o Filho do Homem virá.

[31] Kodwa funani umbuso wakhe, khona konke lokho kuyakwenezelwa nina.

[32] Ungesabi, mhlambi omncane; ngokuba kwathandeka kuYihlo ukuninika umbuso.

[33] Thengisani ngeninakho, niphe abampofu; nizenzele izikhwama ezingagugiyo, ingcebo engapheliyo ezulwini, lapho kungasondeli sela, kungoni nundu khona.

[34]Ngokuba lapho kukhona ingcebo yenu, lapho iyakuba khona nenhliziyo yenu.

Inceku ethembekileyo

(Math. 24:42)

[35] Izinkalo zenu mazibe ziboshiwe, nezibani zivutha.

[36]Nani yibani njengabantu ababheke inkosi yabo ibuya emshadweni ukuba, nxa ifika ingqongqotha, bayivulele masinyane.

[37]Zibusisiwe lezo zinceku okuyakuthi inkosi, nxa ifika, izifumane zilindile; ngiqinisile ngithi kini: Iyakuzibopha ukhalo, izihlalise ekudleni, ize izikhonze.

[38]Noma ifika ngomlindo wesibili noma ngowesithathu, ifumane kunjalo, zibusisiwe zona lezo.

[39]Kepha yazini lokhu kokuthi, uma umninindlu ebesazi isikhathi isela elizakufika ngaso, ubengayikuvuma ukuba ifohlwe indlu yakhe.

[40]Nani manibe nilungile, ngokuba iNdodana yomuntu iyeza ngesikhathi eningasicabangiyo.

[41] Então, Pedro perguntou: SENHOR, proferes esta parábola para nós ou também para todos?

[42] Disse o SENHOR: Quem é, pois, o mordomo fiel e prudente, a quem o senhor confiará os seus conservos para dar-lhes o sustento a seu tempo?

[43] Bem-aventurado aquele servo a quem seu senhor, quando vier, achar fazendo assim.

[44] Verdadeiramente, vos digo que lhe confiará todos os seus bens.

[45] Mas, se aquele servo disser consigo mesmo: Meu senhor tarda em vir, e passar a espancar os criados e as criadas, a comer, a beber e a embriagar-se,

[46] virá o senhor daquele servo, em dia em que não o espera e em hora que não sabe, e castigá-lo-á, lançando-lhe a sorte com os infiéis.

[47] Aquele servo, porém, que conheceu a vontade de seu senhor e não se aprontou, nem fez segundo a sua vontade será punido com muitos açoites.

[48] Aquele, porém, que não soube a vontade do seu senhor e fez coisas dignas de reprovação levará poucos açoites. Mas àquele a quem muito foi dado, muito lhe será exigido; e àquele a quem muito se confia, muito mais lhe pedirão.

Jesus traz fogo e dissensão à terra

[49] Eu vim para lançar fogo sobre a terra e bem quisera que já estivesse a arder.

[41]UPetru wayesethi kuye: Nkosi, usilandisa thina lo mfanekiso nokuba bonke na?

[42]Yayisithi iNkosi: Ngumuphi-ke umphathi othembekileyo noqondileyo, inkosi yakhe eyakumbeka phezu kwabendlu bayo ukuba abanike isabelo sabo sokudla ngesikhathi sakho?

[43]Ibusisiwe leyo nceku okuyakuthi inkosi yayo, nxa ifika, iyifumane yenze njalo.

[44]Impela ngithi kini: Iyakuyibeka phezu kwakho konke enakho.

[45]Kepha uma leyo nceku ithi enhliziyweni yayo: Inkosi yami ilibele ukufika, iqale ukushaya abafana namantombazana, idle, iphuze, idakwe,

[46]inkosi yaleyo nceku iyakufika ngosuku engayibhekile ngalo nangomzuzu engawaziyo, iyinqumanqume, iyabele nabangakholekile.

[47] Njalo-ke leyo nceku ebiyazi intando yenkosi yayo ingalungiselanga, ingenzanga ngokwentando yayo, iyakushaywa imivimbo eminingi;

[48]kepha ebingazi yenza okufanele imivimbo, iyakushaywa eyingcosana; yilowo nalowo ophiwe okuningi, kuyakubizwa okuningi kuye; nophathiswe okuningi, bayakubiza kuye okungaphezu kwalokho.

Umlilo kaJesu nezibonakaliso zezikhathi

[49] Ngize ukuphonsa umlilo emhlabeni; bengifunisisa kangakanani ukuba nga sewokhelwe.

[50] Tenho, porém, um batismo com o qual hei de ser batizado; e quanto me angustio até que o mesmo se realize!

[51] Supondes que vim para dar paz à terra? Não, eu vo-lo afirmo; antes, divisão.

[52] Porque, daqui em diante, estarão cinco divididos numa casa: três contra dois, e dois contra três.

[53] Estarão divididos: pai contra filho, filho contra pai; mãe contra filha, filha contra mãe; sogra contra nora, e nora contra sogra.

Os sinais dos tempos

[54] Disse também às multidões: Quando vedes aparecer uma nuvem no poente, logo dizeis que vem chuva, e assim acontece;

[55] e, quando vedes soprar o vento sul, dizeis que haverá calor, e assim acontece.

[56] Hipócritas, sabeis interpretar o aspecto da terra e do céu e, entretanto, não sabeis discernir esta época?

[57] E por que não julgais também por vós mesmos o que é justo?

[58] Quando fores com o teu adversário ao magistrado, esforça-te para te livrares desse adversário no caminho; para que não suceda que ele te arraste ao juiz, o juiz te entregue ao meirinho e o meirinho te recolha à prisão.

[59] Digo-te que não sairás dali enquanto não pagares o último centavo.

[50] Kepha nginombhapathizo engizakubhapathizwa ngawo; ngikhathazekile kanjani, uze ufezeke.

[51] Nithi ngize ukuletha ukuthula emhlabeni na? Ngithi kini: Qha, kepha kakhulu ukwahlukana.

[52]Ngokuba kusukela manje kuyakuba khona abayisihlanu endlini inye bahlukene, abathathu nababili, ababili nabathathu;

[53]bayakwahlukana, uyise nendodana, indodana noyise; unina nendodakazi, indodakazi nonina; uninazala nomalokazana wakhe, umalokazana noninazala.

[54] Wayesethi nakuzo izixuku: Nxa nibona ifu likhuphuka entshonalanga, masinyane nithi: Iyeza imvula, kube njalo.

[55]Futhi nxa kuphephetha iningizimu, nithi: Lizakubalela, kube njalo.

[56]Bazenzisi, niyakwazi ukuchachisa ukuma komhlaba nokwezulu; kepha yini ukuba ningachachisi lesi sikhathi na?

[57] Pho, yini ukuba ninganqumi ngokwenu okulungileyo na?

[58]Ngokuba, nxa uya enkosini nomelene nawe, ncengisisa usesendleleni ukuba ukhululeke kuye, funa mhlawumbe akuhudulele kumahluleli, umahluleli akunikele kulo iphoyisa, iphoyisa likuphonse etilongweni.

[59]Ngithi kuwe: Awusoze waphuma khona, uze ukhokhe ifadingi lokuphela.

Lucas 13

A morte dos galileus e a queda da torre de Siloé

[1] Naquela mesma ocasião, chegando alguns, falavam a Jesus a respeito dos galileus cujo sangue Pilatos misturara com os sacrifícios que os mesmos realizavam.

[2] Ele, porém, lhes disse: Pensais que esses galileus eram mais pecadores do que todos os outros galileus, por terem padecido estas coisas?

[3] Não eram, eu vo-lo afirmo; se, porém, não vos arrependerdes, todos igualmente perecereis.

[4] Ou cuidais que aqueles dezoito sobre os quais desabou a torre de Siloé e os matou eram mais culpados que todos os outros habitantes de Jerusalém?

[5] Não eram, eu vo-lo afirmo; mas, se não vos arrependerdes, todos igualmente perecereis.

A parábola da figueira estéril

[6] Então, Jesus proferiu a seguinte parábola: Certo homem tinha uma figueira plantada na sua vinha e, vindo procurar fruto nela, não achou.

[7] Pelo que disse ao viticultor: Há três anos venho procurar fruto nesta figueira e não acho; podes cortá-la; para que está ela ainda ocupando inutilmente a terra?

[8] Ele, porém, respondeu: SENHOR, deixa-a ainda este ano, até que eu escave ao redor dela e lhe ponha estrume.

NgokukaLuka 13

UJesu ufundisa ngokuphenduka

[1]Ngaleso sikhathi kwakukhona abathile abamtshela ngabaseGalile igazi labo uPilatu ayelixubanisile nemihlatshelo yabo.

[2]Waphendula, wathi kubo: Nithi labo baseGalile babe yizoni kunabo bonke abaseGalile, ngokuba behlelwa yilokho, na?

[3]Ngithi kini: Qha, kepha uma ningaphenduki, niyakubhubha kanjalo nonke.

[4]Nalabo abayishumi nesishiyagalombili owawela phezu kwabo umbhoshongo waseSilowama, wababulala, nithi bona babe namacala kunabantu bonke abakhileyo eJerusalema na?

[5]Ngithi kini: Qha, kepha uma ningaphenduki, niyakubhubha ngokunjalo nonke.

[6]Wayesebalandisa lo mfanekiso wokuthi: Umuntu othile wayenomkhiwane utshalwe esivinini sakhe; weza efuna isithelo kuwo, akasifumananga.

[7]Wayesethi kuso isisebenzi sesivini: Bheka, sekuyiminyaka emithathu ngiza ngifuna isithelo kulo mkhiwane, ngingasifumani; wunqume; yini ukuba uyone futhi inhlabathi?

[8] Sona saphendula, sathi kuye: Nkosi, wuyeke nangalo mnyaka, ngize ngivukuze inhlabathi emaceleni awo, ngiwuthelele umquba;

[9] Se vier a dar fruto, bem está; se não, mandarás cortá-la.

A cura de uma enferma

[10] Ora, ensinava Jesus no sábado numa das sinagogas.

[11] E veio ali uma mulher possessa de um espírito de enfermidade, havia já dezoito anos; andava ela encurvada, sem de modo algum poder endireitar-se.

[12] Vendo-a Jesus, chamou-a e disse-lhe: Mulher, estás livre da tua enfermidade;

[13] e, impondo-lhe as mãos, ela imediatamente se endireitou e dava glória a Deus.

[14] O chefe da sinagoga, indignado de ver que Jesus curava no sábado, disse à multidão: Seis dias há em que se deve trabalhar; vinde, pois, nesses dias para serdes curados e não no sábado.

[15] Disse-lhe, porém, o SENHOR: Hipócritas, cada um de vós não desprende da manjedoura, no sábado, o seu boi ou o seu jumento, para levá-lo a beber?

[16] Por que motivo não se devia livrar deste cativeiro, em dia de sábado, esta filha de Abraão, a quem Satanás trazia presa há dezoito anos?

[17] Tendo ele dito estas palavras, todos os seus adversários se envergonharam.

[9]mhlawumbe ungaze uthele ngozayo; kepha uma kungenjalo, wowunquma.

Ukuphulukiswa kowesifazane onomoya wobuthakathaka

[10]Wayefundisa kwelinye lamasinagoge ngesabatha.

[11]Bheka, kwaba khona owesifazane onomoya wobuthakathaka iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, eseqhothile engenakululama nempela.

[12]Kwathi uJesu embona, wambiza, wathi kuye: Mame, ukhululiwe ebuthakathakeni bakho.

[13]Wabeka izandla phezu kwakhe; weluleka khona lapho, wamdumisa uNkulunkulu.

[14]Umphathi wesinagoge, ecunukile ngokuba uJesu ephulukisile ngesabatha, waphendula, wathi kuso isixuku: Kukhona izinsuku eziyisithupha okufanele ukusetshenzwa ngazo; ngakho-ke anoza ngazo, niphulukiswe, kungabi ngosuku lwesabatha.

[15]Kepha iNkosi yamphendula yathi: Bazenzisi, kanti yilowo nalowo kini kayithukululi yini ngesabatha inkabi yakhe noma imbongolo yakhe emkhombeni, ayise ukuyoyiphuzisa, na?

[16]Kepha lona, eyindodakazi ka-Abrahama, uSathane abembophile, bhekani, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, bekungafanele yini ukuba akhululwe kuleso sibopho ngosuku lwesabatha na?

[17]Wathi ukuba asho lokho, bajabha bonke ababemelene naye; isixuku sonke

Entretanto, o povo se alegrava por todos os gloriosos feitos que Jesus realizava.

A parábola do grão de mostarda
Mateus 13.31-32; Marcos 4.30-32

18 E dizia: A que é semelhante o reino de Deus, e a que o compararei?

19 É semelhante a um grão de mostarda que um homem plantou na sua horta; e cresceu e fez-se árvore; e as aves do céu aninharam-se nos seus ramos.

A parábola do fermento
Mateus 13.33

20 Disse mais: A que compararei o reino de Deus?

21 É semelhante ao fermento que uma mulher tomou e escondeu em três medidas de farinha, até ficar tudo levedado.

A porta estreita

22 Passava Jesus por cidades e aldeias, ensinando e caminhando para Jerusalém.

23 E alguém lhe perguntou: SENHOR, são poucos os que são salvos?

24 Respondeu-lhes: Esforçai-vos por entrar pela porta estreita, pois eu vos digo que muitos procurarão entrar e não poderão.

25 Quando o dono da casa se tiver levantado e fechado a porta, e vós, do lado de fora, começardes a bater, dizendo: SENHOR, abre-nos a porta, ele vos responderá: Não sei donde sois.

26 Então, direis: Comíamos e bebíamos na tua presença, e ensinavas em nossas ruas.

sathokoza ngemisebenzi yonke yenkazimulo eyenziwe nguye.

Imifanekiso ngombuso kaNkulunkulu
(Math. 13:31; Mark. 4:30)

18Wayesethi: Umbuso kaNkulunkulu ufana nani na? Ngiyakuwufanisa nani na?

19Ufana nenhlamvu yesinaphi ayithatha umuntu, wayihlwanyela ensimini yakhe; yamila, yaba ngumuthi, izinyoni zezulu zaze zakhela emagatsheni awo.

20Wabuye wathi: Umbuso kaNkulunkulu ngiyakuwufanisa nani na?

21Ufana nemvubelo ayithatha owesifazane, wayifaka emaqomeni amathathu empuphu, kwaze kwabila konke.

22Wayesedlula, wahamba imizi ngemizi nemizana ngemizana, efundisa, eqonde eJerusalema.

23Umuntu othile wayesethi kuye: Nkosi, bayingcosana abasindiswayo na? Wathi kubo:

24 Phikelelani ukungena ngomnyango omncinyane; ngokuba ngithi kini: Abaningi bayakufuna ukungena, bahluleke.

25 Nxa umninindlu esukumile wavala emnyango, niqale ukuma ngaphandle, ningqongqothe emnyango, nithi: Nkosi, sivulele, uyakuphendula, athi: Anginazi lapho nivela khona.

26 Lapho-ke niyakuqala ukuthi: Sasidla, siphuza phambi kwakho, wawufundisa emigwaqweni yakithi.

[27] Mas ele vos dirá: Não sei donde vós sois; apartai-vos de mim, vós todos os que praticais iniqüidades.

[28] Ali haverá choro e ranger de dentes, quando virdes, no reino de Deus, Abraão, Isaque, Jacó e todos os profetas, mas vós, lançados fora.

[29] Muitos virão do Oriente e do Ocidente, do Norte e do Sul e tomarão lugares à mesa no reino de Deus.

[30] Contudo, há últimos que virão a ser primeiros, e primeiros que serão últimos.

A mensagem de Jesus a Herodes. O lamento sobre Jerusalém

Mateus 23.37-39

[31] Naquela mesma hora, alguns fariseus vieram para dizer-lhe: Retira-te e vai-te daqui, porque Herodes quer matar-te.

[32] Ele, porém, lhes respondeu: Ide dizer a essa raposa que, hoje e amanhã, expulso demônios e curo enfermos e, no terceiro dia, terminarei.

[33] Importa, contudo, caminhar hoje, amanhã e depois, porque não se espera que um profeta morra fora de Jerusalém.

[34] Jerusalém, Jerusalém, que matas os profetas e apedrejas os que te foram enviados! Quantas vezes quis eu reunir teus filhos como a galinha ajunta os do seu

[27] Athi-ke: Ngithi kini: Anginazi lapho nivela khona; sukani kimi nina nonke, basebenzi bokungalungi.

[28] Lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla amazinyo, nxa senibona o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, nabaprofethi bonke embusweni kaNkulunkulu, kepha nina nikhishelwe ngaphandle.

[29] Bayakufika bevela empumalanga, nasentshonalanga, nasenyakatho, naseningizimu, bahlale ekudleni embusweni kaNkulunkulu.

[30] Bhekani, bakhona abokugcina abayakuba ngabokuqala; bakhona abokuqala abayakuba ngabokugcina.

UJesu uyalikhalela iJerusalema

[31]Ngawo lowo mzuzwana kweza abaFarisi abathile, bathi kuye: Suka, umuke lapha, ngokuba uHerode ufuna ukukubulala.

[32]Wathi kubo: Hambani nithi kuleyo mpungushe: Bheka, ngikhipha amademoni, ngiphulukise abagulayo namuhla nakusasa, kuthi ngosuku lwesithathu ngipheleliswe.

[33]Nokho ngimelwe ukuba ngihambe namuhla nakusasa nangomhlomunye; ngokuba akunakwenzeka ukuba umprofethi abhubhe ngaphandle kweJerusalema.

[34] Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi, okhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, bengithanda kangaki ukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukukazi sibuthela amazinyane

próprio ninho debaixo das asas, e vós não o quisestes!

35 Eis que a vossa casa vos ficará deserta. E em verdade vos digo que não mais me vereis até que venhais a dizer: Bendito o que vem em nome do SENHOR!

Lucas 14

A cura de um hidrópico

1 Aconteceu que, ao entrar ele num sábado na casa de um dos principais fariseus para comer pão, eis que o estavam observando.

2 Ora, diante dele se achava um homem hidrópico.

3 Então, Jesus, dirigindo-se aos intérpretes da Lei e aos fariseus, perguntou-lhes: É ou não é lícito curar no sábado?

4 Eles, porém, nada disseram. E, tomando-o, o curou e o despediu.

5 A seguir, lhes perguntou: Qual de vós, se o filho ou o boi cair num poço, não o tirará logo, mesmo em dia de sábado?

6 A isto nada puderam responder.

Os primeiros lugares

7 Reparando como os convidados escolhiam os primeiros lugares, propôs-lhes uma parábola:

8 Quando por alguém fores convidado para um casamento, não procures o primeiro lugar; para não suceder que, havendo um convidado mais digno do que tu,

aso phansi kwamaphiko; kepha anivumanga.

35 Bhekani, indlu yenu isisala inxiwa kini; kepha ngithi kini: Anisoze nangibona, kuze kufike isikhathi sokuba nithi: Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi.

NgokukaLuka 14

UJesu uphilisa efundisa endlini yomFarisi

1Kwathi ekungeneni kwakhe ngesabatha endlini yomunye waba yizikhulu kubaFarisi ukuba adle ukudla, bona uqobo babemqaphele.

2Bheka, kwavela phambi kwakhe umuntu othile owayenesifo samanzi.

3 UJesu wathatha, wathi kuzo izazimthetho nabaFarisi: Kuvunyelwe yini ukuphulukisa ngesabatha noma qha?

4Kepha bathula. Wayesemphatha, wamphulukisa, wammukisa.

5Wathi kubo: Ngumuphi kini ongathi indodana noma inkabi iyele emgodini, angayikhiphi masinyane ngosuku lwesabatha, na?

6Bahluleka ukuphendula kulokho.

7Wabalandisa abamenyiweyo umfanekiso, ebona ukuzikhethela kwabo izihlalo eziphambili, wathi kubo:

8 Nxa umenyiwe ngumuntu ukuya emshadweni, ungahlali esihlalweni esiphambili, funa ngabe ukhona omkhulu kunawe omenyiwe nguye,

[9] vindo aquele que te convidou e também a ele, te diga: Dá o lugar a este. Então, irás, envergonhado, ocupar o último lugar.

[10] Pelo contrário, quando fores convidado, vai tomar o último lugar; para que, quando vier o que te convidou, te diga: Amigo, senta-te mais para cima. Ser-te-á isto uma honra diante de todos os mais convivas.

[11] Pois todo o que se exalta será humilhado; e o que se humilha será exaltado.

[12] Disse também ao que o havia convidado: Quando deres um jantar ou uma ceia, não convides os teus amigos, nem teus irmãos, nem teus parentes, nem vizinhos ricos; para não suceder que eles, por sua vez, te convidem e sejas recompensado.

[13] Antes, ao dares um banquete, convida os pobres, os aleijados, os coxos e os cegos;

[14] e serás bem-aventurado, pelo fato de não terem eles com que recompensar-te; a tua recompensa, porém, tu a receberás na ressurreição dos justos.

A parábola da grande ceia

[15] Ora, ouvindo tais palavras, um dos que estavam com ele à mesa, disse-lhe: Bem-aventurado aquele que comer pão no reino de Deus.

[16] Ele, porém, respondeu: Certo homem deu uma grande ceia e convidou muitos.

[17] À hora da ceia, enviou o seu servo para avisar aos convidados: Vinde, porque tudo já está preparado.

[9]eze yena onimeme wena naye, athi: Mdedele lo; khona uqale uhlale kwesisenzansi unamahloni.

[10]Kepha nxa umenyiwe, hamba uhlale endaweni esenzansi ukuba, nxa efika okumemileyo, athi kuwe: Mhlobo, yenyukela enhla; khona uyakuba nodumo phambi kwabo bonke abahlezi nawe ekudleni.

[11]Ngokuba oziphakamisayo uzakuthotshiswa; nozithobayo uzakuphakanyiswa.

[12]Wathi nakommemileyo: Uma wenza isidlo sasemini noma esakusihlwa, ungabizi abahlobo bakho, nabafowenu, nomndeni wakho, nabakhelwane bakho abacebileyo, funa nabo babuye bakumeme, kube khona ukwenanana.

[13]Kepha uma wenza isidlo, mema abampofu, nezinyonga, nezimpumputhe;

[14]uyakubusiswa-ke, ngokuba bangekwenanisele; uyakwenaniselwa ekuvukeni kwabalungileyo.

[15]Esezwile lokho omunye wababehlezi naye ekudleni, wathi kuye: Ubusisiwe lowo oyakudla isinkwa embusweni kaNkulunkulu.

[16] Kepha wathi kuye: Umuntu othile wenza idili elikhulu, wamema abaningi.

[17]Ngesikhathi sedili wathuma inceku yakhe ukuba isho kwabamenyiweyo ukuthi: Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke.

[18] Não obstante, todos, à uma, começaram a escusar-se. Disse o primeiro: Comprei um campo e preciso ir vê-lo; rogo-te que me tenhas por escusado.

[19] Outro disse: Comprei cinco juntas de bois e vou experimentá-las; rogo-te que me tenhas por escusado.

[20] E outro disse: Casei-me e, por isso, não posso ir.

[21] Voltando o servo, tudo contou ao seu senhor. Então, irado, o dono da casa disse ao seu servo: Sai depressa para as ruas e becos da cidade e traze para aqui os pobres, os aleijados, os cegos e os coxos.

[22] Depois, lhe disse o servo: SENHOR, feito está como mandaste, e ainda há lugar.

[23] Respondeu-lhe o senhor: Sai pelos caminhos e atalhos e obriga a todos a entrar, para que fique cheia a minha casa.

[24] Porque vos declaro que nenhum daqueles homens que foram convidados provará a minha ceia.

O serviço de Cristo exige abnegação

[25] Grandes multidões o acompanhavam, e ele, voltando-se, lhes disse:

[26] Se alguém vem a mim e não aborrece a seu pai, e mãe, e mulher, e filhos, e irmãos, e irmãs e ainda a sua própria vida, não pode ser meu discípulo.

[18] Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye; owokuqala wathi kuye: Ngithengile insimu, kuswelekile ukuba ngiye ngiyibone; ngiyakuncenga, mawungilandulele.

[19] Omunye wathi: Ngithengile izinkabi eziyishumi, sengiya ukuzilinga; ngiyakuncenga, mawungilandulele.

[20] Omunye wathi: Ngithathile umfazi, ngalokho ngingeze.

[21] Isibuyile inceku yabika lokho enkosini yayo. Khona umninindlu wathukuthela, wathi encekwini yakhe: Khawuleza, uye emigwaqweni nasemingcingweni yomuzi, ungenise lapha abampofu, nezilima, nezimpumputhe, nezinyonga.

[22] Yathi inceku: Nkosi, sekwenziwe ngokuyala kwakho; kepha isekhona indawo.

[23] Yathi inkosi encekwini: Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubacindezele bangene ukuba igcwale indlu yami.

[24]Ngokuba ngithi kini: Ayikho neyodwa yalawo madoda abemenyiwe eyakulizwa idili lami.

Abafundi bakaJesu abayibo

(Math. 10:37)

[25]Kwakuhamba naye izixuku eziningi; waphenduka, wathi kuzo:

[26] Uma umuntu eza kimi engamzondi uyise, nonina, nomkakhe, nabantwana, nabafowabo, nawodadewabo, yebo, nokuphila kwakhe, angebe ngumfundi wami.

[27] E qualquer que não tomar a sua cruz e vier após mim não pode ser meu discípulo.
[28] Pois qual de vós, pretendendo construir uma torre, não se assenta primeiro para calcular a despesa e verificar se tem os meios para a concluir?
[29] Para não suceder que, tendo lançado os alicerces e não a podendo acabar, todos os que a virem zombem dele,
[30] dizendo: Este homem começou a construir e não pôde acabar.

[31] Ou qual é o rei que, indo para combater outro rei, não se assenta primeiro para calcular se com dez mil homens poderá enfrentar o que vem contra ele com vinte mil?

[32] Caso contrário, estando o outro ainda longe, envia-lhe uma embaixada, pedindo condições de paz.
[33] Assim, pois, todo aquele que dentre vós não renuncia a tudo quanto tem não pode ser meu discípulo.

Os discípulos, sal da terra

Mateus 5.13; Marcos 9.50

[34] O sal é certamente bom; caso, porém, se torne insípido, como restaurar-lhe o sabor?
[35] Nem presta para a terra, nem mesmo para o monturo; lançam-no fora. Quem tem ouvidos para ouvir, ouça.

Lucas 15

Jesus recebe pecadores

[27] Nalowo ongathwali isiphambano sakhe, angilandele, angebe ngumfundi wami.
[28] Ngokuba ngumuphi kini othi efuna ukwakha umbhoshongo, angaqali ahlale phansi, abale izindleko ukuthi unakho okokuwuqeda na?
[29]Funa kuthi esebeke isisekelo, engenamandla okuqeda, bonke abakubonayo baqale ukumhleka,
[30]bathi: Lo muntu waqala kabanga namandla okuqeda.
[31] Noma yiyiphi inkosi eya kwenye inkosi ukuhlaselana nayo engaqali ihlale phansi, ihlole ukuba inamandla yini ukuhlangabezana ngezinkulungwane eziyishumi naleyo eza kuyo, inezinkulungwane ezingamashumi amabili na?

[32]Kepha uma kungenzeke, ingathi isekude leyo, ithuma amanxusa, icele okokuthula.

[33]Kunjalo-ke yilowo nalowo kini ongavalelisi nakho konke anakho angebe ngumfundi wami.

[34] Usawoti uyinto enhle; kepha uma usawoti edumele, uyakuhlaziywa ngani na?
[35]Akasafanele namhlabathi namquba; uyalahlwa nje phandle; onezidlebe zokuzwa makezwe.

NgokukaLuka 15

Okulahlekileyo: imvu, uhlamvu lwesiliva, indodana

[1] Aproximavam-se de Jesus todos os publicanos e pecadores para o ouvir.

[2] E murmuravam os fariseus e os escribas, dizendo: Este recebe pecadores e come com eles.

A parábola da ovelha perdida

Mateus 18.10-14

[3] Então, lhes propôs Jesus esta parábola:

[4] Qual, dentre vós, é o homem que, possuindo cem ovelhas e perdendo uma delas, não deixa no deserto as noventa e nove e vai em busca da que se perdeu, até encontrá-la?

[5] Achando-a, põe-na sobre os ombros, cheio de júbilo.

[6] E, indo para casa, reúne os amigos e vizinhos, dizendo-lhes: Alegrai-vos comigo, porque já achei a minha ovelha perdida.

[7] Digo-vos que, assim, haverá maior júbilo no céu por um pecador que se arrepende do que por noventa e nove justos que não necessitam de arrependimento.

A parábola da dracma perdida

[8] Ou qual é a mulher que, tendo dez dracmas, se perder uma, não acende a candeia, varre a casa e a procura diligentemente até encontrá-la?

[9] E, tendo-a achado, reúne as amigas e vizinhas, dizendo: Alegrai-vos comigo, porque achei a dracma que eu tinha perdido.

[1] Kwase kusondela kuye bonke abathelisi nezoni ukumuzwa.

[2]AbaFarisi nababhali base bakhonona bethi: Lo muntu wamukela izoni, adle nazo.

[3]Wayesebalandisa lo mfanekiso, ethi:

[4] Ngumuphi umuntu kini onezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye kuzo, angazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ehlane, aye kwelahlekileyo, aze ayithole, na?

[5]Athi eseyitholile, ayetshathe ethokoza.

[6]Esefike ekhaya ameme abahlobo nabakhelwane, athi kubo: Thokozani nami, ngokuba ngiyitholile imvu yami ebilahlekile.

[7]Ngithi kini: Kanjalo kuyakuba khona ukuthokoza ezulwini ngesoni sisinye esiphendukayo, kunabalungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abangasweli ukuphenduka.

[8] Noma ngumuphi owesifazane othi enezinhlamvu zesiliva eziyishumi, uma elahlekelwe luhlamvu lwaba lunye, angokheli isibani, ashanele indlu, afunisise, aze aluthole?

[9]Athi ukuba aluthole, abize abahlobo nabakhelwane, athi: Thokozani nami, ngokuba ngilutholile uhlamvu lwami obelungilahlekele.

[10] Eu vos afirmo que, de igual modo, há júbilo diante dos anjos de Deus por um pecador que se arrepende.

[10]Ngithi kini: Kanjalo kukhona ukuthokoza phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu ngesoni sisinye esiphendukayo.

A parábola do filho pródigo

[11] Continuou: Certo homem tinha dois filhos;

[11]Wayesethi: Umuntu othile wayenamadodana amabili.

[12] o mais moço deles disse ao pai: Pai, dá-me a parte dos bens que me cabe. E ele lhes repartiu os haveres.

[12]Encane yawo yayisithi kuyise: Baba, nginike isabelo sefa esiqondene nami; wawahlukanisela impahla.

[13] Passados não muitos dias, o filho mais moço, ajuntando tudo o que era seu, partiu para uma terra distante e lá dissipou todos os seus bens, vivendo dissolutamente.

[13] Kwathi emva kwezinsuku ezingeziningi indodana encane yayisibutha konke, yamuka, yaya ezweni elikude, yachitha khona imfuyo yayo ihamba ngokonakala.

[14] Depois de ter consumido tudo, sobreveio àquele país uma grande fome, e ele começou a passar necessidade.

[14] Isisaphaze konke, kwavela indlala enkulu kulelo zwe; yaqala ukuswela.

[15] Então, ele foi e se agregou a um dos cidadãos daquela terra, e este o mandou para os seus campos a guardar porcos.

[15]Yayisiya kukhonza komunye umuntu walelo zwe; yena wayithuma emadlelweni akhe ukuba yaluse izingulube.

[16] Ali, desejava ele fartar-se das alfarrobas que os porcos comiam; mas ninguém lhe dava nada.

[16]Yafisa ukuzisuthisa ngemidumba edliwa yizingulube; kepha kayiphiwanga muntu.

[17] Então, caindo em si, disse: Quantos trabalhadores de meu pai têm pão com fartura, e eu aqui morro de fome!

[17] Kuthe sekusile kuyo, yathi: Bangaki abaqashwa bakababa abanokudla okuningi, kanti mina ngifa indlala lapha.

[18] Levantar-me-ei, e irei ter com o meu pai, e lhe direi: Pai, pequei contra o céu e diante de ti;

[18]Ngiyakusuka, ngiye kubaba, ngithi: Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho;

[19] já não sou digno de ser chamado teu filho; trata-me como um dos teus trabalhadores.

[19]angisafanele ukuthiwa indodana yakho; ngenze ngibe njengomunye wabaqashwa bakho.

[20] E, levantando-se, foi para seu pai. Vinha ele ainda longe, quando seu pai o avistou,

[20]Yayisisuka, yafika kuyise; kepha kuthe isekude, uyise wayibona, waba nesihe,

e, compadecido dele, correndo, o abraçou, e beijou.

[21] E o filho lhe disse: Pai, pequei contra o céu e diante de ti; já não sou digno de ser chamado teu filho.

[22] O pai, porém, disse aos seus servos: Trazei depressa a melhor roupa, vesti-o, ponde-lhe um anel no dedo e sandálias nos pés;

[23] trazei também e matai o novilho cevado. Comamos e regozijemo-nos,

[24] porque este meu filho estava morto e reviveu, estava perdido e foi achado. E começaram a regozijar-se.

[25] Ora, o filho mais velho estivera no campo; e, quando voltava, ao aproximar-se da casa, ouviu a música e as danças.

[26] Chamou um dos criados e perguntou-lhe que era aquilo.

[27] E ele informou: Veio teu irmão, e teu pai mandou matar o novilho cevado, porque o recuperou com saúde.

[28] Ele se indignou e não queria entrar; saindo, porém, o pai, procurava conciliá-lo.

[29] Mas ele respondeu a seu pai: Há tantos anos que te sirvo sem jamais transgredir uma ordem tua, e nunca me deste um cabrito sequer para alegrar-me com os meus amigos;

[30] vindo, porém, esse teu filho, que desperdiçou os teus bens com meretrizes, tu mandaste matar para ele o novilho cevado.

wagijima, wayisingatha entanyeni, wayanga.

[21] Indodana yayisithi kuye: Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho; angisafanele ukuthiwa indodana yakho.

[22] Kepha uyise wathi ezincekwini zakhe: Sheshani nikhiphe ingubo enhle kunazo zonke, niyembathise, nifake indandatho esandleni sayo nezicathulo ezinyaweni,

[23]nilethe ithole elikhuluphalisiweyo, nilihlabe, sidle, sijabule;

[24]ngokuba le ndodana yami ibifile, yabuye yaphila; ibilahlekile, seyatholakala; base beqala ukujabula.

[25] Kepha indodana yakhe enkulu yayisensimini; yathi iseza isondela endlini, yezwa ukuhlabelela nokusina.

[26]Yabiza omunye wabafana, yabuza ukuthi kwenze njani lokho.

[27]Wathi kuyo: Kufike umfowenu; uyihlo wahlaba ithole elikhuluphalisiweyo, ngokuba ubuye wamthola ephilile.

[28] Kepha yathukuthela, kayivumanga ukungena; uyise wayesephuma, wayincenga.

[29]Kodwa yaphendula, yathi kuyise: Bheka, iminyaka engaka ngikukhonzile; angizange ngeqe umyalo wakho, kepha mina awuzange ungiphe nazinyane lembuzi ukuba ngijabule nabahlobo bami,

[30]kodwa kuthe ukuba ifike leyo ndodana yakho eqede imfuyo yakho nezifebe, wayihlabisa ithole elikhuluphalisiweyo.

[31] Então, lhe respondeu o pai: Meu filho, tu sempre estás comigo; tudo o que é meu é teu.

[32] Entretanto, era preciso que nos regozijássemos e nos alegrássemos, porque esse teu irmão estava morto e reviveu, estava perdido e foi achado.

[31] Wayesethi kuyo: Mntanami, wena uhlala nami njalo; konke okwami kungokwakho.

[32]Kepha simelwe ukujabula, sithokoze, ngokuba umfowenu lo wayefile, wabuye waphila; wayelahlekile, sewatholakala.

Lucas 16

A parábola do administrador infiel

[1] Disse Jesus também aos discípulos: Havia um homem rico que tinha um administrador; e este lhe foi denunciado como quem estava a defraudar os seus bens.

[2] Então, mandando-o chamar, lhe disse: Que é isto que ouço a teu respeito? Presta contas da tua administração, porque já não podes mais continuar nela.

[3] Disse o administrador consigo mesmo: Que farei, pois o meu senhor me tira a administração? Trabalhar na terra não posso; também de mendigar tenho vergonha.

[4] Eu sei o que farei, para que, quando for demitido da administração, me recebam em suas casas.

[5] Tendo chamado cada um dos devedores do seu senhor, disse ao primeiro: Quanto deves ao meu patrão?

[6] Respondeu ele: Cem cados de azeite. Então, disse: Toma a tua conta, assenta-te depressa e escreve cinqüenta.

[7] Depois, perguntou a outro: Tu, quanto deves? Respondeu ele: Cem coros de trigo.

NgokukaLuka 16

Umphathi ongathembekile

[1]Wayesekhuluma nakubafundi bakhe, ethi: Kwakukhona umuntu othile oyisicebi, owayenomphathi; yena wamangalelwa kuye ngokuthi uchitha impahla yakhe.

[2]Wambiza, wathi kuye: Kuyini lokhu engikuzwa ngawe na? Landa ngobuphathi bakho, ngokuba ungebe usaba ngumphathi.

[3] Wayesethi umphathi phakathi kwakhe: Ngizakwenze njani, lokhu inkosi yami ingaphuca ubuphathi? Anginamandla okulima, nginamahloni ukunxiba.

[4]Ngiyakwazi engiyakukwenza ukuba bangamukele ezindlini zabo, nxa ngikhishwa ebuphathini.

[5] Wababiza ngabanye abanamacala enkosini yakhe, wathi kowokuqala: Unecala elingakanani enkosini yami na?

[6] Wathi: Amabhati ayikhulu amafutha. Wayesethi kuye: Thatha incwadi yakho, usheshe uhlale phansi, ulobe amashumi ayisihlanu.

[7] Khona wathi komunye: Wena-ke unecala elingakanani na? Wathi: Izilinganiso

Disse-lhe: Toma a tua conta e escreve oitenta.

[8] E elogiou o senhor o administrador infiel porque se houvera atiladamente, porque os filhos do mundo são mais hábeis na sua própria geração do que os filhos da luz.

[9] E eu vos recomendo: das riquezas de origem iníqua fazei amigos; para que, quando aquelas vos faltarem, esses amigos vos recebam nos tabernáculos eternos.

[10] Quem é fiel no pouco também é fiel no muito; e quem é injusto no pouco também é injusto no muito.

[11] Se, pois, não vos tornastes fiéis na aplicação das riquezas de origem injusta, quem vos confiará a verdadeira riqueza?

[12] Se não vos tornastes fiéis na aplicação do alheio, quem vos dará o que é vosso?

[13] Ninguém pode servir a dois senhores; porque ou há de aborrecer-se de um e amar ao outro ou se devotará a um e desprezará ao outro. Não podeis servir a Deus e às riquezas.

Jesus reprova os fariseus

[14] Os fariseus, que eram avarentos, ouviam tudo isto e o ridiculizavam.

[15] Mas Jesus lhes disse: Vós sois os que vos justificais a vós mesmos diante dos homens, mas Deus conhece o vosso coração; pois aquilo que é elevado entre homens é abominação diante de Deus.

eziyikhulu zikakolweni. Wathi kuye: Thatha incwadi yakho, ulobe amashumi ayisishiyagalombili.

[8] Inkosi yambabaza umphathi ongalungile ngokuthi wenze ngokuhlakanipha, ngokuba abantwana balesi sikhathi bahlakaniphile esizukulwaneni sabo kunabantwana bokukhanya.

[9] Nami ngithi kini: Zenzeleni nina abahlobo ngokukaMamona ongalungile, ukuze kuthi, nxa kuphelile, banamukele ezindlini eziphakade.

[10] Othembekile kokuncinyane uthembekile nakokukhulu; ongalungile kokuncinyane kalungile nakokukhulu.

[11]Ngakho uma beningathembeki kokukaMamona ongalungile, ubani oyakuniphathisa okuyikhonakhona na?

[12]Futhi uma beningathembeki kokomunye, ubani oyakuninika okungokwenu na?

[13] Akukho nceku engakhonza amakhosi amabili, ngokuba kokunye iyakuzonda enye, ithande enye, noma ibambelele kwenye, iyeyise enye. Ningeze nakhonza uNkulunkulu noMamona.

[14]AbaFarisi ababethanda imali bakuzwa konke lokho, bamklolodela.

[15] Wayesethi kubo: Nina ningabazishaya abalungileyo emehlweni abantu; kepha uNkulunkulu uyazazi izinhliziyo zenu, ngokuba lokho okuphakemeyo phakathi kwabantu kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.

[16] A Lei e os Profetas vigoraram até João; desde esse tempo, vem sendo anunciado o evangelho do reino de Deus, e todo homem se esforça por entrar nele.

[17] E é mais fácil passar o céu e a terra do que cair um til sequer da Lei.

Acerca do divórcio
Mateus 19.9; Marcos 10.10-12

[18] Quem repudiar sua mulher e casar com outra comete adultério; e aquele que casa com a mulher repudiada pelo marido também comete adultério.

O rico e o mendigo

[19] Ora, havia certo homem rico que se vestia de púrpura e de linho finíssimo e que, todos os dias, se regalava esplendidamente.

[20] Havia também certo mendigo, chamado Lázaro, coberto de chagas, que jazia à porta daquele;

[21] e desejava alimentar-se das migalhas que caíam da mesa do rico; e até os cães vinham lamber-lhe as úlceras.

[22] Aconteceu morrer o mendigo e ser levado pelos anjos para o seio de Abraão; morreu também o rico e foi sepultado.

[23] No inferno, estando em tormentos, levantou os olhos e viu ao longe a Abraão e Lázaro no seu seio.

[24] Então, clamando, disse: Pai Abraão, tem misericórdia de mim! E manda a Lázaro que molhe em água a ponta do dedo e me refresque a língua, porque estou atormentado nesta chama.

[16] Umthetho nabaprofethi kwakukhona kwaze kwafika uJohane; kusukela kuleso sikhathi ivangeli lombuso kaNkulunkulu liyashunyayelwa, wonke umuntu uphika ngokufuzula kuwo.

[17]Kepha kulula ukuba kudlule izulu nomhlaba kunokuba kuwe ibalana elilodwa lomthetho.

Ukuhlalisana kwabaganeneyo
(Math. 19:3; Mark. 10:1)

[18] Yilowo nalowo olahla umkakhe, aganwe ngomunye, uyaphinga; noganwa ngolahliwe yindoda uyaphinga.

Isicebi noLazaru

[19] Kwakukhona umuntu othile onothileyo, owayegqoka ezibubende nezelineni elihle, ezijabulisa imihla ngemihla etamasa.

[20]Kwakukhona futhi ompofu othile, nguLazaru igama lakhe, owayelahliwe ngasesangweni lakhe egcwele izilonda,

[21]enxanela ukusuthiswa ngemvuthuluka ewa etafuleni lesicebi; yebo, kweza nezinja, zamkhotha izilonda.

[22] Kwase kuthi wafa ompofu, wathwalwa yizingelosi, wasiwa esifubeni sika-Abrahama; nesicebi safa, sembelwa.

[23]SesiseHayidese saphakamisa amehlo aso, sisebuhlungwini, sambona u-Abrahama ekude, noLazaru esesifubeni sakhe.

[24]Samemeza sathi: Baba Abrahama, ngihawukele, uthume uLazaru, agcobhoze isihloko somunwe wakhe emanzini, aphozise ulimi lwami, ngokuba ngiyahlushwa kuleli langabi.

[25] Disse, porém, Abraão: Filho, lembra-te de que recebeste os teus bens em tua vida, e Lázaro igualmente, os males; agora, porém, aqui, ele está consolado; tu, em tormentos.

[26] E, além de tudo, está posto um grande abismo entre nós e vós, de sorte que os que querem passar daqui para vós outros não podem, nem os de lá passar para nós.

[27] Então, replicou: Pai, eu te imploro que o mandes à minha casa paterna,
[28] porque tenho cinco irmãos; para que lhes dê testemunho, a fim de não virem também para este lugar de tormento.
[29] Respondeu Abraão: Eles têm Moisés e os Profetas; ouçam-nos.
[30] Mas ele insistiu: Não, pai Abraão; se alguém dentre os mortos for ter com eles, arrepender-se-ão.
[31] Abraão, porém, lhe respondeu: Se não ouvem a Moisés e aos Profetas, tampouco se deixarão persuadir, ainda que ressuscite alguém dentre os mortos.

Lucas 17

Os tropeços
Mateus 18.6-7; Marcos 9.42

[1] Disse Jesus a seus discípulos: É inevitável que venham escândalos, mas ai do homem pelo qual eles vêm!
[2] Melhor fora que se lhe pendurasse ao pescoço uma pedra de moinho, e fosse atirado no mar, do que fazer tropeçar a um destes pequeninos.

Quantas vezes se deve perdoar a um irmão
Mateus 18.21-22

[25] Kepha u-Abrahama wathi: Ndodana, khumbula ukuba wamukela okuhle kwakho usesekuphileni noLazaru kanjalo okubi; kodwa manje uyaduduzwa yena lapha, wena uyahlushwa.

[26]Nangaphezu kwakho konke lokho kubekiwe umhosha omkhulu phakathi kwethu nani ukuba abafuna ukusuka lapha baye kini bangekwenze, nabalapho bangaweleli kithi.

[27] Sase sithi: Njalo ngiyakucela, baba, ukuba umthumele endlini kababa,
[28]ngokuba nginabafowethu abayisihlanu, ukuze afakaze kubo, bangezi nabo kule ndawo yobuhlungu.
[29] Kepha u-Abrahama wathi: BanoMose nabaprofethi; mabezwe bona.
[30] Sathi-ke: Qha, baba Abrahama, kodwa uma kusuka umuntu kwabafileyo, aye kubo, bayakuphenduka.

[31] Kepha wathi kuso: Uma bengalaleli uMose nabaprofethi, kabayikuvunyiswa, noma kuvuka umuntu kwabafileyo.

NgokukaLuka 17

Izikhubekiso. Ukuthethelelana. Inkonzo

[1] Wayesethi kubafundi bakhe: Kungeze kwenzeka ukuba kungaveli izikhubekiso; kodwa maye kulowo ezivela ngaye!
[2]Kungcono kuye ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakhe, alahlwe elwandle, kunokuba akhubekise abe munye kulaba abancinyane.

[3] Acautelai-vos. Se teu irmão pecar contra ti, repreende-o; se ele se arrepender, perdoa-lhe.

[3] Xwayani nina. Uma umfowenu ona, mkhuze; uma ephenduka, mthethelele.

[4] Se, por sete vezes no dia, pecar contra ti e, sete vezes, vier ter contigo, dizendo: Estou arrependido, perdoa-lhe.

[4]Noma ekonela kasikhombisa ngosuku, abuyele kuwe kasikhombisa, ethi: Ngiyaphenduka, womthethelela.

[5] Então, disseram os apóstolos ao SENHOR: Aumenta-nos a fé.

[5]Abaphostoli base bethi eNkosini: Yandisa ukukholwa kwethu.

[6] Respondeu-lhes o SENHOR: Se tiverdes fé como um grão de mostarda, direis a esta amoreira: Arranca-te e transplanta-te no mar; e ela vos obedecerá.

[6] Yayisithi iNkosi: Uma beninokukholwa okungangenhlamvu yesinaphi, beningasho kulo mthombe: Simbuka, utshaleke elwandle, ubuyakunilalela.

[7] Qual de vós, tendo um servo ocupado na lavoura ou em guardar o gado, lhe dirá quando ele voltar do campo: Vem já e põe-te à mesa?

[7] Ngumuphi kini onenceku elimayo nokuba eyalusayo, athi kuyo ibuya endle: Sondela masinyane, uhlale phansi, udle ?

[8] E que, antes, não lhe diga: Prepara-me a ceia, cinge-te e serve-me, enquanto eu como e bebo; depois, comerás tu e beberás?

[8]Kodwa akayikusho kuyo ukuthi: Lungisa engizakukudla, uzibophe, ungiphakele, ngize ngidle, ngiphuze, andukuba udle, uphuze wena, na?

[9] Porventura, terá de agradecer ao servo porque este fez o que lhe havia ordenado?

[9]Uyayibonga yini inceku, ngokuba yenzile ekuyaliweyo na?

[10] Assim também vós, depois de haverdes feito quanto vos foi ordenado, dizei: Somos servos inúteis, porque fizemos apenas o que devíamos fazer.

[10]Kunjalo nani, nxa nikwenzile konke enikuyaliweyo, anothi: Asizinceku zalutho; sikwenzile nje ebesifanele ukukwenza.

A cura de dez leprosos

Ukuphulukiswa kwabanochoko abayishumi

[11] De caminho para Jerusalém, passava Jesus pelo meio de Samaria e da Galiléia.

[11] Kwathi esehamba ukuya eJerusalema, wadabula iSamariya neGalile.

[12] Ao entrar numa aldeia, saíram-lhe ao encontro dez leprosos,

[12]Esangena emzaneni othile, kwahlangana naye amadoda ayishumi anochoko, amela kude,

[13] que ficaram de longe e lhe gritaram, dizendo: Jesus, Mestre, compadece-te de nós!

[13]aphakamisa izwi, athi: Jesu Nkosi, sihawukele!

[14] Ao vê-los, disse-lhes Jesus: Ide e mostrai-vos aos sacerdotes. Aconteceu que, indo eles, foram purificados.

[15] Um dos dez, vendo que fora curado, voltou, dando glória a Deus em alta voz,

[16] e prostrou-se com o rosto em terra aos pés de Jesus, agradecendo-lhe; e este era samaritano.

[17] Então, Jesus lhe perguntou: Não eram dez os que foram curados? Onde estão os nove?

[18] Não houve, porventura, quem voltasse para dar glória a Deus, senão este estrangeiro?

[19] E disse-lhe: Levanta-te e vai; a tua fé te salvou.

A vinda do reino de Deus

[20] Interrogado pelos fariseus sobre quando viria o reino de Deus, Jesus lhes respondeu: Não vem o reino de Deus com visível aparência.

[21] Nem dirão: Ei-lo aqui! Ou: Lá está! Porque o reino de Deus está dentro de vós.

[22] A seguir, dirigiu-se aos discípulos: Virá o tempo em que desejareis ver um dos dias do Filho do Homem e não o vereis.

[23] E vos dirão: Ei-lo aqui! Ou: Lá está! Não vades nem os sigais;

[24] porque assim como o relâmpago, fuzilando, brilha de uma à outra

[14] Kuthe ewabona, wathi kuwo: Hambani, niyoziveza kubapristi. Kwathi esahamba, ahlanjululwa.

[15]Enye yawo isibona ukuthi iphulukisiwe, yabuya imdumisa uNkulunkulu ngezwi elikhulu,

[16]yawa ngobuso ngasezinyaweni zakhe imbonga; yayingumSamariya.

[17]Kepha uJesu waphendula wathi: Akuhlanjululwanga abayishumi na? Baphi, pho, abayisishiyagalolunye na?

[18]Abafunyaniswanga yini ababuyela ukumnika uNkulunkulu udumo, kuphela lona wezizwe na?

[19]Wayesethi kuye: Sukuma uhambe; ukukholwa kwakho kukusindisile.

Umbuso kaNkulunkulu; ukubuya kweNdodana yomuntu

[20] Ebuzwe ngabaFarisi ukuthi umbuso kaNkulunkulu uzakufika nini, wabaphendula wathi: Umbuso kaNkulunkulu awufiki ubonwa ngamehlo.

[21]Futhi kabayikusho ukuthi: Bhekani, nanku, nokuba, nankuya; ngokuba bhekani, umbuso kaNkulunkulu uphakathi kini.

[26]Base beza kuJohane, bathi kuye: Rabi, lowo owayenawe phesheya kweJordani, owamfakazelayo, bheka, uyabhapathiza, bonke beza kuye.

[27] Respondeu João: O homem não pode receber coisa alguma se do céu não lhe for dada.

[27] UJohane waphendula wathi: Umuntu angelwamukele utho, uma engaluphiwanga luvela ezulwini.

[28] Vós mesmos sois testemunhas de que vos disse: eu não sou o Cristo, mas fui enviado como seu precursor.
[29] O que tem a noiva é o noivo; o amigo do noivo que está presente e o ouve muito se regozija por causa da voz do noivo. Pois esta alegria já se cumpriu em mim.
[30] Convém que ele cresça e que eu diminua.

O Filho em relação ao mundo

[31] Quem vem das alturas certamente está acima de todos; quem vem da terra é terreno e fala da terra; quem veio do céu está acima de todos
[32] e testifica o que tem visto e ouvido; contudo, ninguém aceita o seu testemunho.
[33] Quem, todavia, lhe aceita o testemunho, por sua vez, certifica que Deus é verdadeiro.
[34] Pois o enviado de Deus fala as palavras dele, porque Deus não dá o Espírito por medida.
[35] O Pai ama ao Filho, e todas as coisas tem confiado às suas mãos.
[36] Por isso, quem crê no Filho tem a vida eterna; o que, todavia, se mantém rebelde contra o Filho não verá a vida, mas sobre ele permanece a ira de Deus.

João 4

A mulher de Samaria

[1] Quando, pois, o SENHOR veio a saber que os fariseus tinham ouvido dizer que

[28] Nina ngokwenu niyangifakazela ukuba ngathi: Angisiye uKristu mina, kodwa ngithunyiwe ngaphambi kwakhe.
[29] Onomlobokazi ungumyeni, kepha umhlobo womyeni omiyo emuzwa uthokoza nokuthokoza ngezwi lomyeni. Le ntokozo yami isiphelele.
[30]Umelwe ukukhula yena, nginciphe mina.
[31] Ovela phezulu uphezu kwakho konke; ovela emhlabeni ungowomhlaba, ukhuluma okomhlaba. Ovela ezulwini uphezu kwakho konke.
[32]Akubonileyo nakuzwileyo lokho ufakaza ngakho; kepha akakho owamukela ubufakazi bakhe.
[33] Owamukele ubufakazi bakhe ulubekile uphawu lokuthi uNkulunkulu uqinisile.
[34] Ngokuba lowo uNkulunkulu amthumileyo ukhuluma amazwi kaNkulunkulu; ngokuba akaniki uMoya ngokulinganisela.
[35] UYise uyayithanda iNdodana, wanikela konke esandleni sayo.
[36] Okholwa yiNdodana unokuphila okuphakade; kepha ongakholwa yiNdodana kayikubona ukuphila, kodwa intukuthelo kaNkulunkulu ihlezi phezu kwakhe.

NgokukaJohane 4

UJesu ukhuluma nowesifazane waseSamariya

[1]Kwathi ukuba iNkosi yazi ukuthi abaFarisi bezwile ukuba uJesu wenza

ele, Jesus, fazia e batizava mais discípulos que João

[2] (se bem que Jesus mesmo não batizava, e sim os seus discípulos),

[3] deixou a Judéia, retirando-se outra vez para a Galiléia.

[4] E era-lhe necessário atravessar a província de Samaria.

[5] Chegou, pois, a uma cidade samaritana, chamada Sicar, perto das terras que Jacó dera a seu filho José.

[6] Estava ali a fonte de Jacó. Cansado da viagem, assentara-se Jesus junto à fonte, por volta da hora sexta.

[7] Nisto, veio uma mulher samaritana tirar água. Disse-lhe Jesus: Dá-me de beber.

[8] Pois seus discípulos tinham ido à cidade para comprar alimentos.

[9] Então, lhe disse a mulher samaritana: Como, sendo tu judeu, pedes de beber a mim, que sou mulher samaritana (porque os judeus não se dão com os samaritanos)?

[10] Replicou-lhe Jesus: Se conheceras o dom de Deus e quem é o que te pede: dá-me de beber, tu lhe pedirias, e ele te daria água viva.

[11] Respondeu-lhe ela: SENHOR, tu não tens com que a tirar, e o poço é fundo; onde, pois, tens a água viva?

[12] És tu, porventura, maior do que Jacó, o nosso pai, que nos deu o poço, do qual ele

abafundi, ebhapathiza abaningi kunoJohane,

[2]ingani uJesu uqobo kabhapathizanga, kodwa kwakubhapathiza abafundi bakhe,

[3]yamuka eJudiya, yaphindela eGalile.

[4]Kwakuswelekile ukuba adabule iSamariya.

[5] Khona wafika emzini waseSamariya ogama lawo yiSikhari, eduze nesiqinti uJakobe asinika uJosefa indodana yakhe.

[6]Wawukhona lapho umthombo kaJakobe. Ngakho uJesu ekhathele ukuhamba wayesehlala ngasemthonjeni. Kwakungaba yihora lesithupha.

[7]Owesifazane waseSamariya weza ezokukha amanzi. UJesu wathi kuye: Ngiphuzise.

[8]Ngokuba abafundi bakhe babehambile baya emzini beyothenga ukudla.

[9] Khona owesifazane waseSamariya wathi kuye: Yini ukuba wena ongumJuda ucele ukuphuziswa yimi engingowesifazane waseSamariya na? Ngokuba abaJuda abadlelani namaSamariya.

[10] UJesu waphendula, wathi kuye: Uma ubusazi isipho sikaNkulunkulu nokuthi ngubani othi kuwe: Ngiphuzise, nga ucele kuye, yena nga ekunikile amanzi aphilayo.

[11]Wathi kuye: Nkosi, awuphethe lutho lokukha amanzi, umthombo ujulile; uwathathaphi, pho, lawo manzi aphilayo na?

[12] Kanti wena umkhulu yini kunobaba uJakobe owasinika lo mthombo, waphuza

mesmo bebeu, e, bem assim, seus filhos, e seu gado?

kuwo, yena kanye namadodana akhe nemihlambi yakhe, na?

[13] Afirmou-lhe Jesus: Quem beber desta água tornará a ter sede;

[13] Waphendula uJesu, wathi kuye: Yilowo nalowo ophuza lawa manzi uyakubuye ome;

[14] aquele, porém, que beber da água que eu lhe der nunca mais terá sede; pelo contrário, a água que eu lhe der será nele uma fonte a jorrar para a vida eterna.

[14] kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, phakathi kwakhe ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube ngukuphila okuphakade.

[15] Disse-lhe a mulher: SENHOR, dá-me dessa água para que eu não mais tenha sede, nem precise vir aqui buscá-la.

[15]Owesifazane wathi kuye: Nkosi, ngiphe lawo manzi ukuba ngingomi, ngingabe ngiseza ukukha lapha.

[16] Disse-lhe Jesus: Vai, chama teu marido e vem cá;

[16]Wathi kuye: Hamba ubize indoda yakho, uze lapha.

[17] ao que lhe respondeu a mulher: Não tenho marido. Replicou-lhe Jesus: Bem disseste, não tenho marido;

[17]Owesifazane waphendula wathi: Anginandoda. UJesu wathi kuye: Usho kahle ukuthi: Anginandoda;

[18] porque cinco maridos já tiveste, e esse que agora tens não é teu marido; isto disseste com verdade.

[18]ngokuba usuke waba namadoda ayisihlanu; le onayo kalokhu akusiyo indoda yakho. Lokhu ukusho ngeqiniso.

A verdadeira adoração

[19] SENHOR, disse-lhe a mulher, vejo que tu és profeta.

[19] Owesifazane wathi kuye: Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi wena.

[20] Nossos pais adoravam neste monte; vós, entretanto, dizeis que em Jerusalém é o lugar onde se deve adorar.

[20] Okhokho bethu babekhulekela kule ntaba; nina-ke nithi iseJerusalema indawo lapho kufanele kukhulekelwe khona.

[21] Disse-lhe Jesus: Mulher, podes crer-me que a hora vem, quando nem neste monte, nem em Jerusalém adorareis o Pai.

[21]UJesu wathi kuye: Sifazane, kholwa yimi, isikhathi siyeza, lapho ningasayikukhuleka kuBaba nakule ntaba naseJerusalema.

[22] Vós adorais o que não conheceis; nós adoramos o que conhecemos, porque a salvação vem dos judeus.

[22] Nina nikhuleka kweningakwaziyo, thina sikhuleka kwesikwaziyo; ngokuba insindiso ivela kubaJuda.

[23] Mas vem a hora e já chegou, em que os verdadeiros adoradores adorarão o Pai em espírito e em verdade; porque são estes que o Pai procura para seus adoradores.

[24] Deus é espírito; e importa que os seus adoradores o adorem em espírito e em verdade.

[25] Eu sei, respondeu a mulher, que há de vir o Messias, chamado Cristo; quando ele vier, nos anunciará todas as coisas.

[26] Disse-lhe Jesus: Eu o sou, eu que falo contigo.

[27] Neste ponto, chegaram os seus discípulos e se admiraram de que estivesse falando com uma mulher; todavia, nenhum lhe disse: Que perguntas? Ou: Por que falas com ela?

[28] Quanto à mulher, deixou o seu cântaro, foi à cidade e disse àqueles homens:

[29] Vinde comigo e vede um homem que me disse tudo quanto tenho feito. Será este, porventura, o Cristo?!

[30] Saíram, pois, da cidade e vieram ter com ele.

A ceifa e os ceifeiros

[31] Nesse ínterim, os discípulos lhe rogavam, dizendo: Mestre, come!

[32] Mas ele lhes disse: Uma comida tenho para comer, que vós não conheceis.

[33] Diziam, então, os discípulos uns aos outros: Ter-lhe-ia, porventura, alguém trazido o que comer?

[34] Disse-lhes Jesus: A minha comida consiste em fazer a vontade daquele que me enviou e realizar a sua obra.

[23]Kodwa isikhathi siyeza, sesikhona namanje, lapho abakhulekayo abaqinisileyo beyakukhuleka kuBaba ngomoya nangeqiniso; ngokuba uBaba ufuna abakhuleka kuye abanjalo.

[24]UNkulunkulu unguMoya; abakhuleka kuye bafanele ukukhuleka ngomoya nangeqiniso.

[25]Owesifazane wathi kuye: Ngiyazi ukuthi uMesiya uyeza, othiwa uKristu; nxa esefikile yena, uyakusitshela konke.

[26] UJesu wathi: Nginguye mina engikhuluma nawe.

[27]Ngaleyo nkathi bafika abafundi bakhe; bamangala ngokuba ekhuluma nowesifazane; nokho akubangakho owathi: Ufunani na? noma: Ukhulumelani naye na?

[28]Owesifazane wayeseshiya imbiza yakhe, waya emzini, wathi kubantu:

[29] Wozani nibone umuntu ongitshele konke engikwenzileyo; kungebe nguye uKristu na?

[30]Baphuma emzini, beza kuye.

[31]Kusenjalo abafundi bamncenga bathi: Rabi, yidla.

[32]Kepha wathi kubo: Nginokudla engikudlayo eningakwaziyo.

[33]Base bekhuluma bodwa abafundi, bethi: Ukhona yini omlethele ukudla na?

[34] UJesu wathi kubo: Ukudla kwami kungukwenza intando yongithumileyo, ngifeze umsebenzi wakhe.

[35] Não dizeis vós que ainda há quatro meses até à ceifa? Eu, porém, vos digo: erguei os olhos e vede os campos, pois já branquejam para a ceifa.

[35]Anisho yini ukuthi izinyanga zisezine kufike ukuvuna na? Bhekani, ngithi kini: Phakamisani amehlo enu, nibone ukuthi amasimu asemhlophe, aselungele ukuvunwa.

[36] O ceifeiro recebe desde já a recompensa e entesoura o seu fruto para a vida eterna; e, dessarte, se alegram tanto o semeador como o ceifeiro.

[36]Ovunayo wamukeliswa umvuzo, abuthe isithelo kube ngukuphila okuphakade ukuba ohlwanyelayo athokoze kanye novunayo.

[37] Pois, no caso, é verdadeiro o ditado: Um é o semeador, e outro é o ceifeiro.

[37]Ngokuba kulokhu liqinisile izwi lokuthi: Omunye uyahlwanyela, omunye avune.

[38] Eu vos enviei para ceifar o que não semeastes; outros trabalharam, e vós entrastes no seu trabalho.

[38]Mina nganithumela ukuvuna lokho eningakusebenzanga; abanye basebenzile, nina-ke ningene emsebenzini wabo.

Muitos samaritanos creem em Jesus

[39] Muitos samaritanos daquela cidade creram nele, em virtude do testemunho da mulher, que anunciara: Ele me disse tudo quanto tenho feito.

[39]AmaSamariya amaningi alowo muzi akholwa nguye ngezwi lowesifazane owafakaza ngokuthi: Ungitshele konke engikwenzileyo.

[40] Vindo, pois, os samaritanos ter com Jesus, pediam-lhe que permanecesse com eles; e ficou ali dois dias.

[40]Athe ukuba eze kuye amaSamariya, amncenga ukuba ahlale nawo; wahlala khona izinsuku ezimbili.

[41] Muitos outros creram nele, por causa da sua palavra,

[41]Bakholwa abaningi kakhulu futhi ngenxa yezwi lakhe.

[42] e diziam à mulher: Já agora não é pelo que disseste que nós cremos; mas porque nós mesmos temos ouvido e sabemos que este é verdadeiramente o Salvador do mundo.

[42] Base bethi kowesifazane: Asisakholwa ngokulanda kwakho nje, ngokuba sesizizwele ngokwethu, siyazi ukuthi lo ngempela unguMsindisi wezwe.

Jesus volta à Galileia

[43] Passados dois dias, partiu dali para a Galiléia.

[43]Kepha emva kwezinsuku ezimbili waphuma lapho ukuya eGalile.

[44] Porque o mesmo Jesus testemunhou que um profeta não tem honras na sua própria terra.

[44]Ngokuba uJesu uqobo wafakaza ngokuthi umprofethi kaziswa ezweni lakubo.

[45] Assim, quando chegou à Galiléia, os galileus o receberam, porque viram todas as coisas que ele fizera em Jerusalém, por ocasião da festa, à qual eles também tinham comparecido.

A cura do filho de um oficial do rei

[46] Dirigiu-se, de novo, a Caná da Galiléia, onde da água fizera vinho. Ora, havia um oficial do rei, cujo filho estava doente em Cafarnaum.

[47] Tendo ouvido dizer que Jesus viera da Judéia para a Galiléia, foi ter com ele e lhe rogou que descesse para curar seu filho, que estava à morte.

[48] Então, Jesus lhe disse: Se, porventura, não virdes sinais e prodígios, de modo nenhum crereis.

[49] Rogou-lhe o oficial: SENHOR, desce, antes que meu filho morra.

[50] Vai, disse-lhe Jesus; teu filho vive. O homem creu na palavra de Jesus e partiu.

[51] Já ele descia, quando os seus servos lhe vieram ao encontro, anunciando-lhe que o seu filho vivia.

[52] Então, indagou deles a que hora o seu filho se sentira melhor. Informaram: Ontem, à hora sétima a febre o deixou.

[53] Com isto, reconheceu o pai ser aquela precisamente a hora em que Jesus lhe dissera: Teu filho vive; e creu ele e toda a sua casa.

[45]Kuthe-ke ukuba afike eGalile, abaseGalile bamamukela bebone konke akwenzayo eJerusalema emkhosini; ngokuba nabo babezile emkhosini.

Ukuphiliswa kwendodana yenduna yaseKapernawume

[46]UJesu wayesephinda eza eKhana laseGalile, lapho enza khona amanzi abe yiwayini. Kwakukhona induna ethile yenkosi endodana yayo yayigula eKapernawume.

[47]Yathi ukuba izwe ukuthi uJesu ufikile eGalile evela eJudiya, yaya kuye, yamncenga ukuba ehle aphulukise indodana yayo, ngokuba yayisizakufa.

[48] Ngakho-ke uJesu wathi kuyo: Uma ningaboni izibonakaliso nezimangaliso, anisoze nakholwa.

[49]Induna yenkosi yathi kuye: Nkosi, yehla engakafi umntanami.

[50]Wathi kuyo uJesu: Hamba, indodana yakho iphilile. Lowo muntu wakholwa yizwi alishilo kuye uJesu, wahamba.

[51]Kwathi esehla, izinceku zakhe zamhlangabeza, zathi umntanakhe uphilile.

[52]Wayesezibuza isikhathi aqale ngaso ukuba ngcono; khona zathi kuye: Umkhuhlane umyekile izolo ngehora lesikhombisa.

[53] Wayeseqonda uyise ukuthi yilona lelo hora uJesu asho ngalo kuye ukuthi: Indodana yakho iphilile. Wakholwa yena nendlu yakhe yonke.

[54] Foi este o segundo sinal que fez Jesus, depois de vir da Judéia para a Galiléia.

João 5

A cura de um paralítico

[1] Passadas estas coisas, havia uma festa dos judeus, e Jesus subiu para Jerusalém.

[2] Ora, existe ali, junto à Porta das Ovelhas, um tanque, chamado em hebraico Betesda, o qual tem cinco pavilhões.

[3] Nestes, jazia uma multidão de enfermos, cegos, coxos, paralíticos

[4] [esperando que se movesse a água. Porquanto um anjo descia em certo tempo, agitando-a; e o primeiro que entrava no tanque, uma vez agitada a água, sarava de qualquer doença que tivesse].

[5] Estava ali um homem enfermo havia trinta e oito anos.

[6] Jesus, vendo-o deitado e sabendo que estava assim há muito tempo, perguntou-lhe: Queres ser curado?

[7] Respondeu-lhe o enfermo: SENHOR, não tenho ninguém que me ponha no tanque, quando a água é agitada; pois, enquanto eu vou, desce outro antes de mim.

[8] Então, lhe disse Jesus: Levanta-te, toma o teu leito e anda.

[9] Imediatamente, o homem se viu curado e, tomando o leito, pôs-se a andar. E aquele dia era sábado.

[54] Leso siyisibonakaliso sesibili uJesu asenza efikile eGalile evela eJudiya.

NgokukaJohane 5

UJesu uphilisa isiguli eBethesda ngesabatha

[1]Emva kwalokho kwakukhona umkhosi wabaJuda; uJesu wakhuphukela eJerusalema.

[2]Kukhona-ke eJerusalema ngasesangweni lezimvu ichibi elithiwa ngesiHeberu iBethesda, linemipheme eyisihlanu.

[3]Kwakulele kuyo abagulayo abaningi kakhulu, izimpumputhe, nezinyonga, nabashwabeneyo, belindele ukuzanyazanyiswa kwamanzi.

[4]Ngokuba ingelosi yayehla izikhathi ngezikhathi, izamazamise amanzi, kuthi lowo ongene kuqala emva kokuzanyazanyiswa kwamanzi asinde esifweni sakhe, noma enasifo sini.

[5]Kwakukhona lapho umuntu othile owayesegule iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili.

[6]UJesu embona elele, azi ukuthi usenesikhathi eside enjalo, wathi kuye: Uyathanda ukusinda na?

[7]Ogulayo wamphendula wathi: Nkosi, anginamuntu wokungifaka echibini, nxa amanzi ezanyazanyiswa; kuthi ngiseza, kwehle omunye phambi kwami.

[8]UJesu wathi kuye: Sukuma, uthabathe uhlaka lwakho, uhambe.

[9]Wayesephila masinyane lowo muntu, wathabatha uhlaka lwakhe, wahamba. Kwakuyisabatha ngalolo suku.

[10] Por isso, disseram os judeus ao que fora curado: Hoje é sábado, e não te é lícito carregar o leito.
[11] Ao que ele lhes respondeu: O mesmo que me curou me disse: Toma o teu leito e anda.
[12] Perguntaram-lhe eles: Quem é o homem que te disse: Toma o teu leito e anda?
[13] Mas o que fora curado não sabia quem era; porque Jesus se havia retirado, por haver muita gente naquele lugar.
[14] Mais tarde, Jesus o encontrou no templo e lhe disse: Olha que já estás curado; não peques mais, para que não te suceda coisa pior.
[15] O homem retirou-se e disse aos judeus que fora Jesus quem o havia curado.
[16] E os judeus perseguiam Jesus, porque fazia estas coisas no sábado.
[17] Mas ele lhes disse: Meu Pai trabalha até agora, e eu trabalho também.
[18] Por isso, pois, os judeus ainda mais procuravam matá-lo, porque não somente violava o sábado, mas também dizia que Deus era seu próprio Pai, fazendo-se igual a Deus.

Jesus explica a sua missão

[19] Então, lhes falou Jesus: Em verdade, em verdade vos digo que o Filho nada pode fazer de si mesmo, senão somente aquilo que vir fazer o Pai; porque tudo o que este fizer, o Filho também semelhantemente o faz.

[10] Khona base bethi abaJuda kophilisiweyo: Yisabatha, akuvunyiwe uthwale uhlaka.
[11]Wabaphendula wathi: Ongiphilisileyo nguyena othe kimi: Thabatha uhlaka lwakho, uhambe.
[12]Bambuza bathi: Ngubani lowo muntu othe kuwe: Thabatha uhlaka lwakho uhambe, na?
[13]Kepha ophilisiweyo wayengazi ukuthi ungubani, ngokuba uJesu wayemukile lapho, kukhona isixuku kuleyo ndawo.
[14] Emva kwalokho uJesu wamfumana ethempelini, wathi kuye: Bheka, uphilisiwe; ungabe usona, funa wehlelwe ngokubi kunalokho.
[15]Wamuka lowo muntu, watshela abaJuda ukuthi nguJesu omphilisileyo.
[16] Ngenxa yalokho abaJuda bamzingela uJesu, ngokuba wakwenza lokho ngesabatha.
[17]Kepha wabaphendula wathi: UBaba usebenza kuze kube manje, nami ngiyasebenza.
[18] Ngalokho-ke abaJuda kwayikhona befuna kakhulu ukumbulala, ngokuba wayengaphulile isabatha kuphela, kodwa wabuye wathi uNkulunkulu unguYise, ezenza olingana noNkulunkulu.

UJesu uyiNdodana kaNkulunkulu

[19] Khona uJesu waphendula, wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: INdodana ingenze lutho ngokwayo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza, ngokuba lokho akwenzayo yena, neNdodana iyakwenza kanjalo.

[20] Porque o Pai ama ao Filho, e lhe mostra tudo o que faz, e maiores obras do que estas lhe mostrará, para que vos maravilheis.

[21] Pois assim como o Pai ressuscita e vivifica os mortos, assim também o Filho vivifica aqueles a quem quer.

[22] E o Pai a ninguém julga, mas ao Filho confiou todo julgamento,

[23] a fim de que todos honrem o Filho do modo por que honram o Pai. Quem não honra o Filho não honra o Pai que o enviou.

[24] Em verdade, em verdade vos digo: quem ouve a minha palavra e crê naquele que me enviou tem a vida eterna, não entra em juízo, mas passou da morte para a vida.

[25] Em verdade, em verdade vos digo que vem a hora e já chegou, em que os mortos ouvirão a voz do Filho de Deus; e os que a ouvirem viverão.

[26] Porque assim como o Pai tem vida em si mesmo, também concedeu ao Filho ter vida em si mesmo.

[27] E lhe deu autoridade para julgar, porque é o Filho do Homem.

[28] Não vos maravilheis disto, porque vem a hora em que todos os que se acham nos túmulos ouvirão a sua voz e sairão:

[29] os que tiverem feito o bem, para a ressurreição da vida; e os que tiverem praticado o mal, para a ressurreição do juízo.

[20] Ngokuba uYise uyayithanda iNdodana, uyikhombisa konke akwenzayo yena; woyikhombisa imisebenzi emikhulu kunalena ukuba nimangale.

[21]Ngokuba njengalokhu uYise evusa abafileyo, abaphilise, kanjalo neNdodana iyabaphilisa labo ethanda ukubaphilisa.

[22]Ngokuba noYise kahluleli muntu; ukunike iNdodana konke ukwahlulela

[23] ukuba bonke bazise iNdodana, njengokuba bazisa uYise. Ongayazisi iNdodana kamazisi noYise oyithumileyo.

[24] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Ozwa izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila okuphakade; akayi ekwahlulelweni, kepha usephumile ekufeni, wangena ekuphileni.

[25] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Isikhathi siyeza, sesikhona namanje, lapho abafileyo beyakulizwa izwi leNdodana kaNkulunkulu; abezwayo bayakuphila.

[26]Ngokuba njengalokhu uYise enokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ibe nokuphila ngokwayo.

[27] Uyiphile amandla okwahlulela, ngokuba iyiNdodana yomuntu.

[28] Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni beyakulizwa izwi layo,

[29] abenze ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila, abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa.

[30] Eu nada posso fazer de mim mesmo; na forma por que ouço, julgo. O meu juízo é justo, porque não procuro a minha própria vontade, e sim a daquele que me enviou.

[31] Se eu testifico a respeito de mim mesmo, o meu testemunho não é verdadeiro.

[32] Outro é o que testifica a meu respeito, e sei que é verdadeiro o testemunho que ele dá de mim.

[33] Mandastes mensageiros a João, e ele deu testemunho da verdade.

[34] Eu, porém, não aceito humano testemunho; digo-vos, entretanto, estas coisas para que sejais salvos.

[35] Ele era a lâmpada que ardia e alumiava, e vós quisestes, por algum tempo, alegrar-vos com a sua luz.

[36] Mas eu tenho maior testemunho do que o de João; porque as obras que o Pai me confiou para que eu as realizasse, essas que eu faço testemunham a meu respeito de que o Pai me enviou.

[37] O Pai, que me enviou, esse mesmo é que tem dado testemunho de mim. Jamais tendes ouvido a sua voz, nem visto a sua forma.

[38] Também não tendes a sua palavra permanente em vós, porque não credes naquele a quem ele enviou.

[39] Examinais as Escrituras, porque julgais ter nelas a vida eterna, e são elas mesmas que testificam de mim.

[30]Mina ngingenze lutho ngokwami; ngahlulela njengalokho engikuzwayo; ukwahlulela kwami kulungile, ngokuba ngingafuni eyami intando kepha intando yongithumileyo.

[31] Uma ngizifakazela mina, ubufakazi bami abuqinisile.

[32]Ngomunye ofakaza ngami; ngiyazi ukuthi ubufakazi angifakazela ngabo buqinisile.

[33] Nina nithumele kuJohane, walifakazela iqiniso.

[34]Kepha mina angibamukeli ubufakazi kumuntu; kodwa ngisho lokhu ukuba nisindiswe.

[35] Yena wayeyisibani esivuthayo nesikhanyayo; nina-ke benithanda ukuthokoza isikhashana ekukhanyeni kwakhe.

[36] Kepha nginabo ubufakazi obukhulu kunobukaJohane, ngokuba imisebenzi uBaba anginike yona ukuba ngiyifeze, yona le misebenzi engiyenzayo, iyangifakazela ukuthi uBaba ungithumile.

[37] NoBaba ongithumileyo ufakazile ngami. Anizange nizwe izwi lakhe, anisibonanga isimo sakhe.

[38]Nezwi lakhe aninalo elihleziyo phakathi kwenu, ngokuba amthumileyo yena lowo anikholwa nguye.

[39] Nihlola imibhalo, ngokuba nithi ninokuphila okuphakade kuyo; yiyona efakaza ngami.

[40] Contudo, não quereis vir a mim para terdes vida.
[41] Eu não aceito glória que vem dos homens;
[42] sei, entretanto, que não tendes em vós o amor de Deus.
[43] Eu vim em nome de meu Pai, e não me recebeis; se outro vier em seu próprio nome, certamente, o recebereis.
[44] Como podeis crer, vós os que aceitais glória uns dos outros e, contudo, não procurais a glória que vem do Deus único?
[45] Não penseis que eu vos acusarei perante o Pai; quem vos acusa é Moisés, em quem tendes firmado a vossa confiança.
[46] Porque, se, de fato, crêsseis em Moisés, também creríeis em mim; porquanto ele escreveu a meu respeito.
[47] Se, porém, não credes nos seus escritos, como crereis nas minhas palavras?

João 6

A multiplicação de pães e peixes

Mateus 14.13-21; Marcos 6.30-44; Lucas 9.10-17

[1] Depois destas coisas, atravessou Jesus o mar da Galiléia, que é o de Tiberíades.
[2] Seguia-o numerosa multidão, porque tinham visto os sinais que ele fazia na cura dos enfermos.
[3] Então, subiu Jesus ao monte e assentou-se ali com os seus discípulos.
[4] Ora, a Páscoa, festa dos judeus, estava próxima.

[40]Kepha anivumi ukuza kimi ukuba nibe nokuphila.
[41] Mina angamukeli udumo kubantu.
[42]Kepha ngiyanazi nina ukuthi aninalo uthando lukaNkulunkulu phakathi kwenu.
[43] Ngize egameni likaBaba, aningamukeli; uma kuza omunye ngelakhe igama, niyakumamukela yena.
[44] Ningakholwa kanjani nina enidumisana nodwa, ningalufuni udumo oluvela kuNkulunkulu yedwa, na?
[45] Ningacabangi ukuthi ngiyakunimangalela kuBaba; ukhona onimangalelayo, uMose enithemba kuye.
[46] Ngokuba uma benikholwa nguMose, beniyakukholwa yimina, ngokuba yena waloba ngami.
[47]Kodwa uma ningakholwa yimibhalo yakhe, niyakukholwa kanjani ngamazwi ami na?

NgokukaJohane 6

UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu

(Math. 14:13; Mark. 6:30; Luk. 9:12)

[1]Emva kwalokho uJesu wamuka waya phesheya kolwandle lwaseGalile olungolwaseTiberiya.
[2]Samlandela isixuku esikhulu, ngokuba babebona izibonakaliso azenzayo kwabagulayo.
[3]UJesu wenyukela entabeni, wahlala phansi khona nabafundi bakhe.
[4]Laliseduze iPhasika, umkhosi wabaJuda.

[5] Então, Jesus, erguendo os olhos e vendo que grande multidão vinha ter com ele, disse a Filipe: Onde compraremos pães para lhes dar a comer?

[5] Kuthe uJesu ephakamisa amehlo, wabona ukuthi isixuku esikhulu siza kuye, wathi kuFiliphu: Sizakuzithengaphi izinkwa ukuba badle laba na?

[6] Mas dizia isto para o experimentar; porque ele bem sabia o que estava para fazer.

[6]Washo njalo emvivinya, ngokuba yena wayekwazi azakukwenza.

[7] Respondeu-lhe Filipe: Não lhes bastariam duzentos denários de pão, para receber cada um o seu pedaço.

[7]UFiliphu wamphendula wathi: Izinkwa zawodenariyu abangamakhulu amabili zingebanele, kube yilowo nalowo athole ingcosana.

[8] Um de seus discípulos, chamado André, irmão de Simão Pedro, informou a Jesus:

[8]Omunye wabafundi bakhe, u-Andreya umfowabo kaSimoni Petru, wathi kuye:

[9] Está aí um rapaz que tem cinco pães de cevada e dois peixinhos; mas isto que é para tanta gente?

[9] Kukhona umfana lapha onezinkwa zebhali eziyisihlanu nezinhlanzana ezimbili; kepha kuyini lokho kwabaningi kangaka na?

[10] Disse Jesus: Fazei o povo assentar-se; pois havia naquele lugar muita relva. Assentaram-se, pois, os homens em número de quase cinco mil.

[10]UJesu wathi: Bahlaliseni abantu. Kwakukhona utshani obuningi kuleyo ndawo. Ahlala phansi-ke amadoda, umumo wawo kungathi izinkulungwame eziyisihlanu.

[11] Então, Jesus tomou os pães e, tendo dado graças, distribuiu-os entre eles; e também igualmente os peixes, quanto queriam.

[11]UJesu wazithabatha izinkwa, wabonga, wayesezabela ababehlezi phansi, kanjalo futhi nezinhlanzana, njengokuthanda kwabo.

[12] E, quando já estavam fartos, disse Jesus aos seus discípulos: Recolhei os pedaços que sobraram, para que nada se perca.

[12]Kuthe sebesuthi, wathi kubafundi bakhe: Buthani imvuthuluka eseleyo, kungachitheki lutho.

[13] Assim, pois, o fizeram e encheram doze cestos de pedaços dos cinco pães de cevada, que sobraram aos que haviam comido.

[13]Base bebutha, bagcwalisa iziqabetho eziyishumi nambili ngemvuthuluka yezinkwa eziyisihlanu zebhali eyasala kwabadlileyo.

[14] Vendo, pois, os homens o sinal que Jesus fizera, disseram: Este é, verdadeiramente, o profeta que devia vir ao mundo.

[15] Sabendo, pois, Jesus que estavam para vir com o intuito de arrebatá-lo para o proclamarem rei, retirou-se novamente, sozinho, para o monte.

Jesus anda por sobre o mar
Mateus 14.22-33; Marcos 6.45-52

[16] Ao descambar o dia, os seus discípulos desceram para o mar.

[17] E, tomando um barco, passaram para o outro lado, rumo a Cafarnaum. Já se fazia escuro, e Jesus ainda não viera ter com eles.

[18] E o mar começava a empolar-se, agitado por vento rijo que soprava.

[19] Tendo navegado uns vinte e cinco a trinta estádios, eis que viram Jesus andando por sobre o mar, aproximando-se do barco; e ficaram possuídos de temor.

[20] Mas Jesus lhes disse: Sou eu. Não temais!

[21] Então, eles, de bom grado, o receberam, e logo o barco chegou ao seu destino.

Jesus, o pão da vida

[22] No dia seguinte, a multidão que ficara do outro lado do mar notou que ali não havia senão um pequeno barco e que Jesus não embarcara nele com seus discípulos, tendo estes partido sós.

[14] Kwathi-ke abantu bebona isibonakaliso uJesu asenzayo, bathi: Impela lo ungumProfethi ozayo ezweni.

[15] Ngakho-ke uJesu azi ukuthi bazakuza, bambambe, bambeke inkosi, wamonyukela futhi entabeni yena yedwa.

UJesu uhamba phezu kolwandle
(Math. 14:22; Mark. 6:45)

[16] Sekuhlwa abafundi bakhe bewukela elwandle,

[17]bangena emkhunjini, bawela ulwandle beya eKapernawume. Kwase kuhlwile, uJesu wayengakafiki kubo.

[18]Kwavunguza umoya omkhulu, lwavuka ulwandle.

[19]Khona sebegwedlile kungathi amastadiyu angamashumi amabili nanhlanu noma amashumi amathathu, babona uJesu ehamba phezu kolwandle, esondela emkhunjini; bethuka.

[20]Kepha wathi kubo: Yimina, ningesabi.

[21]Khona bafuna ukumngenisa emkhunjini, umkhumbi wawusufika masinyane ezweni ababeya kulo.

Isinkwa sokuphila

[22]Ngangomuso isixuku esasingaphesheya kolwandle sabona kungekho omunye umkhunjana khona, sazi ukuthi ubumunye nje nokuthi uJesu wayengangenanga emkhunjini kanye nabafundi bakhe, kepha ukuthi abafundi bakhe babewele bodwa,

[23] Entretanto, outros barquinhos chegaram de Tiberíades, perto do lugar onde comeram o pão, tendo o SENHOR dado graças.

[24] Quando, pois, viu a multidão que Jesus não estava ali nem os seus discípulos, tomaram os barcos e partiram para Cafarnaum à sua procura.

[25] E, tendo-o encontrado no outro lado do mar, lhe perguntaram: Mestre, quando chegaste aqui?

[26] Respondeu-lhes Jesus: Em verdade, em verdade vos digo: vós me procurais, não porque vistes sinais, mas porque comestes dos pães e vos fartastes.

[27] Trabalhai, não pela comida que perece, mas pela que subsiste para a vida eterna, a qual o Filho do Homem vos dará; porque Deus, o Pai, o confirmou com o seu selo.

[28] Dirigiram-se, pois, a ele, perguntando: Que faremos para realizar as obras de Deus?

[29] Respondeu-lhes Jesus: A obra de Deus é esta: que creiais naquele que por ele foi enviado.

[30] Então, lhe disseram eles: Que sinal fazes para que o vejamos e creiamos em ti? Quais são os teus feitos?

[31] Nossos pais comeram o maná no deserto, como está escrito: Deu-lhes a comer pão do céu.

[32] Replicou-lhes Jesus: Em verdade, em verdade vos digo: não foi Moisés quem vos

[23]kodwa eminye imikhunjana evela eTiberiya yafika eduze nendawo lapho badla khona isinkwa, iNkosi ibongile;

[24]isixuku sathi ukubona ukuthi uJesu akakho lapho nabafundi bakhe, sangena emikhunjaneni, naso saya eKapernawume sifuna uJesu.

[25]Kwathi ukuba bamfumane phesheya kolwandle, bathi: Rabi, ufike nini lapha na?

[26]UJesu wabaphendula wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Aningifuni ngokuba nabona izibonakaliso, kepha ningifuna ngokuba nadla izinkwa, nasutha.

[27] Ningasebenzeli ukudla okuphelayo kepha ukudla okuhlala kuze kube ngukuphila okuphakade, eyakunipha khona iNdodana yomuntu, ngokuba uYise uNkulunkulu ubekile uphawu kuyona.

[28]Bathi-ke kuye: Singenzani ukuba sisebenze imisebenzi kaNkulunkulu na?

[29] Waphendula uJesu, wathi kubo: Umsebenzi kaNkulunkulu yilowo ukuba nikholwe nguye amthumileyo.

[30] Ngakho bathi kuye: Pho, wenza sibonakaliso sini ukuba sibone, sikholwe nguwe, na? Usebenzani na?

[31] Okhokho bethu badla imana ehlane njengokulotshiweyo ukuthi: Wabapha isinkwa esivela ezulwini ukuba badle.

[32]UJesu wayesethi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Kwakungesiye uMose owanipha isinkwa esivela ezulwini,

deu o pão do céu; o verdadeiro pão do céu é meu Pai quem vos dá.

33 Porque o pão de Deus é o que desce do céu e dá vida ao mundo.

34 Então, lhe disseram: SENHOR, dá-nos sempre desse pão.

35 Declarou-lhes, pois, Jesus: Eu sou o pão da vida; o que vem a mim jamais terá fome; e o que crê em mim jamais terá sede.

36 Porém eu já vos disse que, embora me tenhais visto, não credes.

37 Todo aquele que o Pai me dá, esse virá a mim; e o que vem a mim, de modo nenhum o lançarei fora.

38 Porque eu desci do céu, não para fazer a minha própria vontade, e sim a vontade daquele que me enviou.

39 E a vontade de quem me enviou é esta: que nenhum eu perca de todos os que me deu; pelo contrário, eu o ressuscitarei no último dia.

40 De fato, a vontade de meu Pai é que todo homem que vir o Filho e nele crer tenha a vida eterna; e eu o ressuscitarei no último dia.

A murmuração dos judeus

41 Murmuravam, pois, dele os judeus, porque dissera: Eu sou o pão que desceu do céu.

42 E diziam: Não é este Jesus, o filho de José? Acaso, não lhe conhecemos o pai e

kodwa uBaba unipha isinkwa soqobo esivela ezulwini.

33Ngokuba isinkwa sikaNkulunkulu singuye owehla ezulwini, olipha izwe ukuphila.

34Khona bathi kuye: Nkosi, siphe njalonjalo leso sinkwa.

35 UJesu wathi kubo: Mina ngiyisinkwa sokuphila; ozayo kimi kasoze alamba, nokholwa yimi kasoze oma.

36Kepha ngithe kini: Ningibonile, nokho anikholwa.

37 Konke angipha khona uBaba kuyakuza kimi; ozayo kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle.

38Ngokuba ngehle ezulwini kungengukuba ngenze intando yami, kodwa ukuba ngenze intando yongithumileyo.

39 Lokhu kuyintando yongithumileyo ukuba konke angiphe khona ngingalahlekelwa lutho kukho, kodwa ngikuvuse ngomuhla wokuphela.

40 Ngokuba lokhu kuyintando kaBaba ukuba yilowo nalowo obona iNdodana, akholwe yiyo, abe nokuphila okuphakade; ngiyakumvusa mina ngomuhla wokuphela.

41Khona abaJuda bakhonona ngaye, ngokuba ethe: Ngiyisinkwa esehle ezulwini.

42 Bathi-ke: Lona akusiye uJesu indodana kaJosefa, uyise nonina sibazi na? Usesho kanjani, pho, ukuthi: Ngehle ezulwini, na?

a mãe? Como, pois, agora diz: Desci do céu?

[43] Respondeu-lhes Jesus: Não murmureis entre vós.

[44] Ninguém pode vir a mim se o Pai, que me enviou, não o trouxer; e eu o ressuscitarei no último dia.

[45] Está escrito nos profetas: E serão todos ensinados por Deus. Portanto, todo aquele que da parte do Pai tem ouvido e aprendido, esse vem a mim.

[46] Não que alguém tenha visto o Pai, salvo aquele que vem de Deus; este o tem visto.

[47] Em verdade, em verdade vos digo: quem crê em mim tem a vida eterna.

[48] Eu sou o pão da vida.

[49] Vossos pais comeram o maná no deserto e morreram.

[50] Este é o pão que desce do céu, para que todo o que dele comer não pereça.

[51] Eu sou o pão vivo que desceu do céu; se alguém dele comer, viverá eternamente; e o pão que eu darei pela vida do mundo é a minha carne.

[52] Disputavam, pois, os judeus entre si, dizendo: Como pode este dar-nos a comer a sua própria carne?

[53] Respondeu-lhes Jesus: Em verdade, em verdade vos digo: se não comerdes a carne do Filho do Homem e não beberdes o seu sangue, não tendes vida em vós mesmos.

[43]UJesu waphendula, wathi kubo: Ningakhononi phakathi kwenu.

[44]Akakho ongeza kimi, uma uBaba ongithumileyo engamdonsi; mina-ke ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.

[45] Kulotshiwe kubaprofethi ukuthi: Bonke bayakuba ngabafundiswe nguNkulunkulu. Yilowo nalowo ozwile kuBaba, wafunda, uyeza kimi.

[46] Akusikho ukuthi ukhona oke wambona uBaba, kuphela ovela kuNkulunkulu; nguyena ombonile uBaba.

[47] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Okholwayo unokuphila okuphakade.

[48]Mina ngiyisinkwa sokuphila.

[49] Okhokho benu badla imana ehlane, bafa.

[50]Lesi siyisinkwa esehla ezulwini ukuba umuntu adle kuso, angafi.

[51] Mina ngiyisinkwa esiphilayo esehla ezulwini. Uma umuntu edla lesi sinkwa, uyakuphila phakade; futhi-ke isinkwa engizakusinikela ngenxa yokuphila kwezwe siyinyama yami.

[52]Base bephikisana bodwa abaJuda, bethi: Lo angasinika kanjani inyama yakhe, siyidle, na?

[53]Khona uJesu wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma ningayidli inyama yeNdodana yomuntu, niphuze igazi layo, aninakuphila phakathi kwenu.

[54] Quem comer a minha carne e beber o meu sangue tem a vida eterna, e eu o ressuscitarei no último dia.
[55] Pois a minha carne é verdadeira comida, e o meu sangue é verdadeira bebida.
[56] Quem comer a minha carne e beber o meu sangue permanece em mim, e eu, nele.
[57] Assim como o Pai, que vive, me enviou, e igualmente eu vivo pelo Pai, também quem de mim se alimenta por mim viverá.
[58] Este é o pão que desceu do céu, em nada semelhante àquele que os vossos pais comeram e, contudo, morreram; quem comer este pão viverá eternamente.
[59] Estas coisas disse Jesus, quando ensinava na sinagoga de Cafarnaum.

Os discípulos escandalizados

[60] Muitos dos seus discípulos, tendo ouvido tais palavras, disseram: Duro é este discurso; quem o pode ouvir?
[61] Mas Jesus, sabendo por si mesmo que eles murmuravam a respeito de suas palavras, interpelou-os: Isto vos escandaliza?
[62] Que será, pois, se virdes o Filho do Homem subir para o lugar onde primeiro estava?
[63] O espírito é o que vivifica; a carne para nada aproveita; as palavras que eu vos tenho dito são espírito e são vida.
[64] Contudo, há descrentes entre vós. Pois Jesus sabia, desde o princípio, quais eram os que não criam e quem o havia de trair.

[54] Odla inyama yami, aphuze igazi lami, unokuphila okuphakade; mina ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.
[55]Ngokuba inyama yami ingukudla isibili, negazi lami lingukuphuza isibili.
[56] Odla inyama yami, aphuze igazi lami, uhlala kimi, nami kuye.
[57]Njengalokho uBaba ophilayo ungithumile, nami ngiphila ngoBaba, lowo ongidlayo naye uyakuphila ngami.
[58]Lesi siyisinkwa esehle ezulwini, kungenjengalokho okhokho benu badla imana, bafa; osidlayo lesi sinkwa uyakuphila phakade.
[59]Lokho wakukhuluma esinagogeni efundisa eKapernawume.
[60] Ngakho-ke abaningi kubafundi bakhe bekuzwa lokho bathi: Lilukhuni leli zwi; ngubani ongalizwa na?
[61]Kepha uJesu azi phakathi kwakhe ukuthi abafundi bakhe bayakhonona ngalokho, wathi: Lokhu kuyanicunula na?
[62] Pho, uma nibona iNdodana yomuntu yenyukela lapho yayikhona kuqala, niyakuthini na?
[63] NguMoya ophilisayo, inyama ayisizi lutho; amazwi engiwakhulume kini angumoya, angukuphila.
[64] Kepha bakhona abanye phakathi kwenu abangakholwa. Ngokuba uJesu wazi kwasekuqaleni ukuba ngobani abangakholwa nokuba ngubani ozakumkhaphela.

65 E prosseguiu: Por causa disto, é que vos tenho dito: ninguém poderá vir a mim, se, pelo Pai, não lhe for concedido.

Muitos discípulos se retiram

66 À vista disso, muitos dos seus discípulos o abandonaram e já não andavam com ele.

67 Então, perguntou Jesus aos doze: Porventura, quereis também vós outros retirar-vos?

68 Respondeu-lhe Simão Pedro: SENHOR, para quem iremos? Tu tens as palavras da vida eterna;

69 e nós temos crido e conhecido que tu és o Santo de Deus.

70 Replicou-lhes Jesus: Não vos escolhi eu em número de doze? Contudo, um de vós é diabo.

71 Referia-se ele a Judas, filho de Simão Iscariotes; porque era quem estava para traí-lo, sendo um dos doze.

João 7

A incredulidade dos irmãos de Jesus

1 Passadas estas coisas, Jesus andava pela Galiléia, porque não desejava percorrer a Judéia, visto que os judeus procuravam matá-lo.

2 Ora, a festa dos judeus, chamada de Festa dos Tabernáculos, estava próxima.

3 Dirigiram-se, pois, a ele os seus irmãos e lhe disseram: Deixa este lugar e vai para a Judéia, para que também os teus discípulos vejam as obras que fazes.

65Wayesethi: Kungenxa yalokho ngithe kini: Akakho ongeza kimi uma engakuphiwe nguBaba.

Isivumo sikaPetru

66Emva kwalokho abaningi babafundi bakhe babuyela emuva, ababe besahamba naye.

67Ngakho uJesu wathi kwabayishumi nambili: Nani nithanda ukumuka na?

68USimoni Petru wamphendula wathi: Nkosi, siyakuya kubani na? Amazwi okuphila okuphakade akuwe.

69 Siyakholwa, siyazi ukuthi wena ungoNgcwele kaNkulunkulu.

70 UJesu wabaphendula wathi: Mina anginikhethanga nina abayishumi nambili na? Kepha omunye kini ungusathane.

71Wayekhuluma ngoJuda Iskariyothe kaSimoni, ngokuba nguye obezakumkhaphela engomunye wabayishumi nambili.

NgokukaJohane 7

UJesu ukhuphukela eJerusalema ngomkhosi wamadokodo

1Emva kwalokho uJesu wahamba eGalile, ngokuba wayengathandi ukuhamba eJudiya, lokhu abaJuda bebefuna ukumbulala.

2 Kwase kusondele umkhosi wabaJuda, owamadokodo.

3Base bethi kuye abafowabo: Muka lapha, uye eJudiya, ukuze nabafundi bakho babone imisebenzi yakho oyenzayo.

[4] Porque ninguém há que procure ser conhecido em público e, contudo, realize os seus feitos em oculto. Se fazes estas coisas, manifesta-te ao mundo.

[4]Ngokuba akukho muntu owenza utho ekusithekeni, efuna yena uqobo lwakhe abe sobala. Uma wenza lezi zinto, zibonakalise wena kulo izwe.

[5] Pois nem mesmo os seus irmãos criam nele.

[5] Ngokuba nabafowabo babengakholwa nguye.

[6] Disse-lhes, pois, Jesus: O meu tempo ainda não chegou, mas o vosso sempre está presente.

[6]Ngakho-ke uJesu wathi kubo: Isikhathi sami asikafiki, isikhathi senu silungile njalo.

[7] Não pode o mundo odiar-vos, mas a mim me odeia, porque eu dou testemunho a seu respeito de que as suas obras são más.

[7] Izwe lingenizonde nina, kepha mina liyangizonda, ngokuba ngifakaza ngalo ukuthi imisebenzi yalo mibi.

[8] Subi vós outros à festa; eu, por enquanto, não subo, porque o meu tempo ainda não está cumprido.

[8]Yenyukani nina, niye emkhosini; mina angenyukeli manje kulo mkhosi; ngokuba esami isikhathi asikapheleli.

[9] Disse-lhes Jesus estas coisas e continuou na Galiléia.

[9]Eseshilo lokho kubo wahlala eGalile.

Jesus na Festa dos Tabernáculos

[10] Mas, depois que seus irmãos subiram para a festa, então, subiu ele também, não publicamente, mas em oculto.

[10]Sebenyukele emkhosini abafowabo, naye-ke wenyuka, kungesobala kepha kungathi kungasese.

[11] Ora, os judeus o procuravam na festa e perguntavam: Onde estará ele?

[11]Khona abaJuda bamfuna emkhosini, bathi: Uphi yena na?

[12] E havia grande murmuração a seu respeito entre as multidões. Uns diziam: Ele é bom. E outros: Não, antes, engana o povo.

[12]Kwaba khona ukukhonona okukhulu ngaye phakathi kwezixuku. Abanye bathi: Muhle; abanye bathi: Qha, ngokuba udukisa abantu.

[13] Entretanto, ninguém falava dele abertamente, por ter medo dos judeus.

[13] Nokho kwakungekho muntu owakhuluma obala ngaye ngokwesaba abaJuda.

A controvérsia entre Jesus e os judeus

Imfundiso ngoMesiya

[14] Corria já em meio a festa, e Jesus subiu ao templo e ensinava.

[14]Kuthe sekuphakathi komkhosi, uJesu wenyukela ethempelini, wafundisa.

[15] Então, os judeus se maravilhavam e diziam: Como sabe este letras, sem ter estudado?

[15] Ngakho abaJuda bamangala bathi: Lona uyazi kanjani imibhalo engafundanga na?

[16] Respondeu-lhes Jesus: O meu ensino não é meu, e sim daquele que me enviou.

[17] Se alguém quiser fazer a vontade dele, conhecerá a respeito da doutrina, se ela é de Deus ou se eu falo por mim mesmo.

[18] Quem fala por si mesmo está procurando a sua própria glória; mas o que procura a glória de quem o enviou, esse é verdadeiro, e nele não há injustiça.

[19] Não vos deu Moisés a lei? Contudo, ninguém dentre vós a observa. Por que procurais matar-me?

[20] Respondeu a multidão: Tens demônio. Quem é que procura matar-te?

[21] Replicou-lhes Jesus: Um só feito realizei, e todos vos admirais.

[22] Pelo motivo de que Moisés vos deu a circuncisão (se bem que ela não vem dele, mas dos patriarcas), no sábado circuncidais um homem.

[23] E, se o homem pode ser circuncidado em dia de sábado, para que a lei de Moisés não seja violada, por que vos indignais contra mim, pelo fato de eu ter curado, num sábado, ao todo, um homem?

[24] Não julgueis segundo a aparência, e sim pela reta justiça.

Os guardas mandados para prender Jesus

[25] Diziam alguns de Jerusalém: Não é este aquele a quem procuram matar?

[26] Eis que ele fala abertamente, e nada lhe dizem. Porventura, reconhecem

[16] Khona uJesu wabaphendula wathi: Imfundiso yami akusiyo eyami kodwa ngeyongithumileyo.

[17]Uma umuntu ethanda ukwenza intando yakhe, uzakwazi ngemfundiso noma ivela kuNkulunkulu noma ngizikhulumela okwami.

[18]Okhuluma ngokwakhe ufuna udumo lwakhe; kepha ofuna udumo lomthumileyo lowo uqinisile; akukho ukungalungi kuye.

[19] UMose kaninikanga yini umthetho na? Nokho akakho kini ogcina umthetho. Nifunelani ukungibulala na?

[20] Isixuku saphendula sathi: Unedemoni wena; ngubani ofuna ukukubulala na?

[21] UJesu waphendula, wathi kubo: Munye umsebenzi engiwenzile, niyamangala nonke.

[22] Ngokuba uMose uninikile ukusoka -- kungesikho ukuthi kuvela kuMose kodwa kokhokho -- niyamsoka umuntu nangesabatha.

[23]Uma umuntu amukela ukusoka ngesabatha ukuze kungeqiwa umthetho kaMose, pho, ningithukuthelela ngokuba ngaphulukisa umuntu ngokuphelele ngesabatha na?

[24] Ningahluleli ngokwamehlo, kepha yahlulelani ukwahlulela okulungileyo.

[25] Base bethi abanye kwabaseJerusalema: Lo akusiye yini abafuna ukumbulala na?

[26]Bheka, ukhuluma obala, kabasho lutho kuye. Kungaba ngukuthi ababusi sebazi isibili ukuthi lo unguKristu na?

verdadeiramente as autoridades que este é, de fato, o Cristo?

27 Nós, todavia, sabemos donde este é; quando, porém, vier o Cristo, ninguém saberá donde ele é.

28 Jesus, pois, enquanto ensinava no templo, clamou, dizendo: Vós não somente me conheceis, mas também sabeis donde eu sou; e não vim porque eu, de mim mesmo, o quisesse, mas aquele que me enviou é verdadeiro, aquele a quem vós não conheceis.

29 Eu o conheço, porque venho da parte dele e fui por ele enviado.

30 Então, procuravam prendê-lo; mas ninguém lhe pôs a mão, porque ainda não era chegada a sua hora.

31 E, contudo, muitos de entre a multidão creram nele e diziam: Quando vier o Cristo, fará, porventura, maiores sinais do que este homem tem feito?

32 Os fariseus, ouvindo a multidão murmurar estas coisas a respeito dele, juntamente com os principais sacerdotes enviaram guardas para o prenderem.

33 Disse-lhes Jesus: Ainda por um pouco de tempo estou convosco e depois irei para junto daquele que me enviou.

34 Haveis de procurar-me e não me achareis; também aonde eu estou, vós não podeis ir.

35 Disseram, pois, os judeus uns aos outros: Para onde irá este que não o possamos achar? Irá, porventura, para a Dispersão entre os gregos, com o fim de os ensinar?

27 Kodwa lo siyamazi lapho evela khona; kepha uKristu, nxa efika, akakho owazi lapho evela khona.

28 Ngakho uJesu wamemeza efundisa ethempelini, wathi: Niyangazi, niyazi futhi ukuthi ngivelaphi; mina-ke angizizelanga, kodwa ongithumileyo uqinisile, eningamaziyo nina.

29 Ngiyamazi mina, ngokuba ngivela kuye, futhi nguye ongithumileyo.

30 Ngakho bafuna ukumbamba, kepha akubangakho owambeka isandla, ngokuba isikhathi sakhe sasingakafiki.

31 Kepha esixukwini abaningi bakholwa nguye, bathi: UKristu, nxa esefikile, uyakwenza izibonakaliso eziningi kunalezo azenzileyo lona na?

32AbaFarisi bezwa isixuku sikhonona ngalezo zinto ngaye; abapristi abakhulu nabaFarisi base bethuma izikhonzi ukuba zimbambe.

33 Ngakho-ke uJesu wathi: Kuseyisikhashana ngikhona kini, besengimuka, ngiye kongithumileyo.

34 Niyakungifuna, ningangifumani, nalapho ngikhona, ningeze nina.

35Ngakho abaJuda bakhuluma bodwa, bathi: Uzakuya ngaphi lo lapho singayikumthola na? Uyakuya

kwabahlakazekileyo kumaGreki, afundise amaGreki, na?

36 Que significa, de fato, o que ele diz: Haveis de procurar-me e não me achareis; também aonde eu estou, vós não podeis ir?

36Lizwi lini leli alishoyo lokuthi: Niyakungifuna, ningangifumani, nokuthi: Lapho ngikhona, ningeze nina, na?

Jesus, a fonte da água viva

Amanzi okuphila

37 No último dia, o grande dia da festa, levantou-se Jesus e exclamou: Se alguém tem sede, venha a mim e beba.

37 Kepha ngosuku lokugcina olukhulu lomkhosi uJesu wema wamemeza wathi: Uma ekhona owomileyo, akeze kimi, aphuze.

38 Quem crer em mim, como diz a Escritura, do seu interior fluirão rios de água viva.

38Okholwa yimi, njengokusho kombhalo, esiswini sakhe kuyakugobhoza imifula yamanzi aphilayo.

39 Isto ele disse com respeito ao Espírito que haviam de receber os que nele cressem; pois o Espírito até aquele momento não fora dado, porque Jesus não havia sido ainda glorificado.

39 Washo lokho ngoMoya abazakumamukela abakholwa nguye, ngokuba uMoya wayengakafiki, lokhu uJesu wayengakakhazimuliswa.

40 Então, os que dentre o povo tinham ouvido estas palavras diziam: Este é verdadeiramente o profeta;

40 Abanye besixuku sebezwa lawa mazwi bathi: Lo ungumprofethi isibili.

41 outros diziam: Ele é o Cristo; outros, porém, perguntavam: Porventura, o Cristo virá da Galiléia?

41 Abanye bathi: Lo unguKristu. Kepha abanye bathi: Kanti uKristu uvela eGalile na?

42 Não diz a Escritura que o Cristo vem da descendência de Davi e da aldeia de Belém, donde era Davi?

42 Awushongo yini umbhalo ukuthi uKristu uvela enzalweni kaDavide naseBetlehema, emzaneni lapho wayekhona uDavide na?

43 Assim, houve uma dissensão entre o povo por causa dele;

43 Ngakho kwaba khona ukwahlukana ngaye esixukwini.

44 alguns dentre eles queriam prendê-lo, mas ninguém lhe pôs as mãos.

44Abanye-ke kubo babethanda ukumbamba; kepha akubangakho owambeka izandla.

Os guardas voltam sem Jesus

Izikhonzi zifuna ukumbamba uJesu

[45] Voltaram, pois, os guardas à presença dos principais sacerdotes e fariseus, e estes lhes perguntaram: Por que não o trouxestes?

[45]Zafika-ke izikhonzi kubapristi abakhulu nakubaFarisi. Bathi kuzo: Animlethanga ngani na?

[46] Responderam eles: Jamais alguém falou como este homem.

[46] Izikhonzi zaphendula zathi: Akuzange kukhulume muntu njengokuba kukhuluma lowo muntu.

[47] Replicaram-lhes, pois, os fariseus: Será que também vós fostes enganados?

[47]Ngakho abaFarisi baziphendula bathi: Kanti nani nidukisiwe na?

[48] Porventura, creu nele alguém dentre as autoridades ou algum dos fariseus?

[48]Ukhona yini ezikhulwini nakubaFarisi oke wakholwa nguye na?

[49] Quanto a esta plebe que nada sabe da lei, é maldita.

[49]Kodwa lesi sixuku esingawazi umthetho siqalekisiwe.

[50] Nicodemos, um deles, que antes fora ter com Jesus, perguntou-lhes:

[50] Wayesethi kubo uNikodemu owake weza kuye engomunye wabo:

[51] Acaso, a nossa lei julga um homem, sem primeiro ouvi-lo e saber o que ele fez?

[51] Konje umthetho wakithi uyamlahla yini umuntu ungakamuzwa kuqala, uze wazi akwenzayo, na?

[52] Responderam eles: Dar-se-á o caso de que também tu és da Galiléia? Examina e verás que da Galiléia não se levanta profeta.

[52]Baphendula, bathi kuye: Kanti nawe ungowaseGalile na? Phenyisisa, ubone ukuthi akuveli mprofethi eGalile.

[53] [E cada um foi para sua casa.

[53]Base behamba, kwaba yilowo nalowo waya ekhaya.

João 8

A mulher adúltera

[1] Jesus, entretanto, foi para o monte das Oliveiras.

[2] De madrugada, voltou novamente para o templo, e todo o povo ia ter com ele; e, assentado, os ensinava.

[3] Os escribas e fariseus trouxeram à sua presença uma mulher surpreendida em adultério e, fazendo-a ficar de pé no meio de todos,

NgokukaJohane 8

Owesifazane obanjwe ephinga

[1] Khona uJesu waya eNtabeni Yeminqumo.

[2]Ekuseni kakhulu wabuye weza ethempelini; abantu bonke beza kuye; wayesehlala phansi, wabafundisa.

[3]Kepha ababhali nabaFarisi baletha kuye owesifazane ebanjwe ephinga; sebemmise phakathi kwabo,

[4] disseram a Jesus: Mestre, esta mulher foi apanhada em flagrante adultério.
[5] E na lei nos mandou Moisés que tais mulheres sejam apedrejadas; tu, pois, que dizes?

[6] Isto diziam eles tentando-o, para terem de que o acusar. Mas Jesus, inclinando-se, escrevia na terra com o dedo.

[7] Como insistissem na pergunta, Jesus se levantou e lhes disse: Aquele que dentre vós estiver sem pecado seja o primeiro que lhe atire pedra.
[8] E, tornando a inclinar-se, continuou a escrever no chão.
[9] Mas, ouvindo eles esta resposta e acusados pela própria consciência, foram-se retirando um por um, a começar pelos mais velhos até aos últimos, ficando só Jesus e a mulher no meio onde estava.
[10] Erguendo-se Jesus e não vendo a ninguém mais além da mulher, perguntou-lhe: Mulher, onde estão aqueles teus acusadores? Ninguém te condenou?
[11] Respondeu ela: Ninguém, SENHOR! Então, lhe disse Jesus: Nem eu tampouco te condeno; vai e não peques mais.]

Jesus, a luz do mundo

[12] De novo, lhes falava Jesus, dizendo: Eu sou a luz do mundo; quem me segue não andará nas trevas; pelo contrário, terá a luz da vida.

[13] Então, lhe objetaram os fariseus: Tu dás testemunho de ti mesmo; logo, o teu testemunho não é verdadeiro.

[4]bathi kuye: Mfundisi, lo wesifazane ubanjwe esoqotsheni lokuphinga.
[5] Emthethweni uMose wasiyala ngabanje ukuba bakhandwe ngamatshe. Pho, wena uthini na?
[6] Bakusho lokho bemlinga, ukuze babe nokummangalela. Kepha uJesu wakhothama, waloba ngomunwe emhlabathini.

[7] Wathi besambuza njalo, walulama, wathi kubo: Ongenasono phakathi kwenu kaqale amphonse ngetshe.

[8]Waphinda wakhothama, waloba emhlabathini.
[9] Bathi ukuzwa lokho, belahlwa yizinhliziyo zabo baphuma ngabanye, beqalela kwabadala kwaze kwaba ngabokugcina, uJesu wasala yedwa; nowesifazane wayemi khona.
[10]UJesu wayeselulama; engaboni muntu ngaphandle kowesifazane wathi kuye: Sifazane, baphi labo bamangaleli bakho na? Akakho okulahlayo na?
[11] Wayesethi: Akakho, Nkosi. Wathi-ke uJesu kuye: Nami angikulahli; hamba, ungabe usona.

Ukukhanya kwezwe

[12]Ngakho uJesu waphinda wakhuluma kubo, wathi: Mina ngingukukhanya kwezwe; ongilandelayo kasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba nokukhanya kokuphila.

[13]Khona bathi kuye abaFarisi: Uyazifakazela wena; ubufakazi bakho ubuqinisile.

[14] Respondeu Jesus e disse-lhes: Posto que eu testifico de mim mesmo, o meu testemunho é verdadeiro, porque sei donde vim e para onde vou; mas vós não sabeis donde venho, nem para onde vou.
[15] Vós julgais segundo a carne, eu a ninguém julgo.

[16] Se eu julgo, o meu juízo é verdadeiro, porque não sou eu só, porém eu e aquele que me enviou.

[17] Também na vossa lei está escrito que o testemunho de duas pessoas é verdadeiro.

[18] Eu testifico de mim mesmo, e o Pai, que me enviou, também testifica de mim.
[19] Então, eles lhe perguntaram: Onde está teu Pai? Respondeu Jesus: Não me conheceis a mim nem a meu Pai; se conhecêsseis a mim, também conheceríeis a meu Pai.
[20] Proferiu ele estas palavras no lugar do gazofilácio, quando ensinava no templo; e ninguém o prendeu, porque não era ainda chegada a sua hora.

Jesus defende a sua missão e autoridade

[21] De outra feita, lhes falou, dizendo: Vou retirar-me, e vós me procurareis, mas perecereis no vosso pecado; para onde eu vou vós não podeis ir.
[22] Então, diziam os judeus: Terá ele, acaso, a intenção de suicidar-se? Porque diz: Para onde eu vou vós não podeis ir.
[23] E prosseguiu: Vós sois cá de baixo, eu sou lá de cima; vós sois deste mundo, eu deste mundo não sou.

[14] UJesu waphendula, wathi kubo: Noma ngizifakazela mina, ubufakazi bami buqinisile, ngokuba ngiyazi ukuthi ngavelaphi nokuthi ngiyaphi; kepha nina anazi ukuthi ngivelaphi nokuthi ngiyaphi.
[15] Nina nahlulela ngokwenyama, kepha mina angahluleli muntu.
[16] Nakuba ngahlulela, ukwahlulela kwami kungokuqinisileyo, ngokuba ngingengedwa, kodwa yimina nongithumileyo.
[17] Yebo, kulotshiwe nasemthethweni wakini ukuthi ubufakazi babantu ababili bungobuqinisileyo.
[18] Mina ngingozifakazelayo; noBaba ongithumileyo ufakaza ngami.

[19] Base bethi kuye: Uphi uyihlo na? UJesu waphendula ngokuthi: Anazi nami naBaba; uma beningazi mina, nga nimazi noBaba.

[20] Lawo mazwi wawakhuluma ngasemphongolweni weminikelo efundisa ethempelini; akubangakho ombambayo, ngokuba isikhathi sakhe sasingakafiki.

[21] Khona waphinda wathi kubo: Ngiyamuka mina, niyakungifuna, nifele ezonweni zenu; lapho ngiya khona mina, ningeze nina.
[22]Base bethi abaJuda: Imbala uzakuzibulala yini, lokhu ethi: Lapho ngiya khona mina, ningeze nina, na?
[23] Wathi kubo: Nina ningabaphansi, mina ngingowaphezulu; nina ningabaleli zwe, mina angingowaleli zwe.

[24] Por isso, eu vos disse que morrereis nos vossos pecados; porque, se não crerdes que EU SOU, morrereis nos vossos pecados.

[25] Então, lhe perguntaram: Quem és tu? Respondeu-lhes Jesus: Que é que desde o princípio vos tenho dito?

[26] Muitas coisas tenho para dizer a vosso respeito e vos julgar; porém aquele que me enviou é verdadeiro, de modo que as coisas que dele tenho ouvido, essas digo ao mundo.

[27] Eles, porém, não atinaram que lhes falava do Pai.

[28] Disse-lhes, pois, Jesus: Quando levantardes o Filho do Homem, então, sabereis que EU SOU e que nada faço por mim mesmo; mas falo como o Pai me ensinou.

[29] E aquele que me enviou está comigo, não me deixou só, porque eu faço sempre o que lhe agrada.

[30] Ditas estas coisas, muitos creram nele.

[31] Disse, pois, Jesus aos judeus que haviam crido nele: Se vós permanecerdes na minha palavra, sois verdadeiramente meus discípulos;

[32] e conhecereis a verdade, e a verdade vos libertará.

[33] Responderam-lhe: Somos descendência de Abraão e jamais fomos escravos de alguém; como dizes tu: Sereis livres?

[24] Ngakho-ke ngathi kini nizakufela ezonweni zenu; ngokuba uma ningakholwa ukuthi nginguye, nizakufela ezonweni zenu.

[25]Base bethi kuye: Wena ungubani na? Wathi kubo uJesu: Lokho enganitshela khona kwasekuqaleni.

[26]Nginezinto eziningi enginokuzikhuluma nokwahlulela ngani, kepha ongithumileyo uqinisile, nami engakuzwa kuye ngikukhuluma ezweni.

[27]Kabazanga ukuthi ukhuluma kubo ngoYise.

[28] Wayesethi uJesu: Nxa seniyiphakamisile iNdodana yomuntu, khona-ke nizakwazi ukuthi nginguye nokuthi angenzi lutho ngokwami, kodwa ngikhuluma lokhu njengokuba uBaba engifundisile.

[29] Ongithumileyo unami, kangishiyanga ngedwa, ngokuba ngenza njalo okuthandeka kuye.

UJesu uphendulana nabaJuda ngo-Abrahama

[30]Esakhuluma lokho, abaningi bakholwa nguye.

[31] Khona uJesu wathi kubaJuda abase bekholiwe nguye: Uma nimi ezwini lami, ningabafundi bami isibili;

[32] niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula.

[33] Bamphendula bathi: Siyinzalo ka-Abrahama thina, asibonange sibe yizigqila zamuntu; wena usho kanjani ukuthi: Nizakuba ngabakhululekileyo na?

[34] Replicou-lhes Jesus: Em verdade, em verdade vos digo: todo o que comete pecado é escravo do pecado.
[35] O escravo não fica sempre na casa; o filho, sim, para sempre.
[36] Se, pois, o Filho vos libertar, verdadeiramente sereis livres.
[37] Bem sei que sois descendência de Abraão; contudo, procurais matar-me, porque a minha palavra não está em vós.
[38] Eu falo das coisas que vi junto de meu Pai; vós, porém, fazeis o que vistes em vosso pai.

[39] Então, lhe responderam: Nosso pai é Abraão. Disse-lhes Jesus: Se sois filhos de Abraão, praticai as obras de Abraão.

[40] Mas agora procurais matar-me, a mim que vos tenho falado a verdade que ouvi de Deus; assim não procedeu Abraão.

[41] Vós fazeis as obras de vosso pai. Disseram-lhe eles: Nós não somos bastardos; temos um pai, que é Deus.
[42] Replicou-lhes Jesus: Se Deus fosse, de fato, vosso pai, certamente, me havíeis de amar; porque eu vim de Deus e aqui estou; pois não vim de mim mesmo, mas ele me enviou.
[43] Qual a razão por que não compreendeis a minha linguagem? É porque sois incapazes de ouvir a minha palavra.
[44] Vós sois do diabo, que é vosso pai, e quereis satisfazer-lhe os desejos. Ele foi homicida desde o princípio e jamais se

[34] UJesu wabaphendula wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo owenza isono uyisigqila sesono.
[35] Isigqila kambe asihlali phakade endlini; kepha indodana ihlala phakade.
[36]Ngakho-ke uma iNdodana inikhulula, niyakuba ngabakhululekileyo impela.
[37]Ngiyazi ukuthi niyinzalo ka-Abrahama; kepha nifuna ukungibulala, ngokuba izwi lami lingenandawo kini.
[38]Ngikhuluma lokho engikubonile mina kuBaba; nani-ke nenza lokho enikuzwile kuyihlo.
[39] Baphendula, bathi kuye: Ubaba ngu-Abrahama. UJesu wathi kubo: Uma beningabantwana baka-Abrahama; beniyakwenza imisebenzi ka-Abrahama.
[40]Kodwa kalokhu nifuna ukungibulala mina muntu onitshele iqiniso, engilizwe kuNkulunkulu; u-Abrahama kakwenzanga lokho.
[41]Nina nenza imisebenzi kayihlo. Bathi kuye: Thina asizalwanga ngokuphinga; sinobaba munye, uNkulunkulu.
[42] Wathi kubo uJesu: Uma uNkulunkulu ebenguyihlo, beniyakungithanda mina, ngokuba ngafika ngivela kuNkulunkulu; ngokuba angizizelanga ngokwami, kepha yena ungithumile.
[43] Yini ukuba ningayizwisisi inkulumo yami na? Kungokuba aninakuzwa izwi lami.
[44]Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo. Yena wayengumbulali wabantu

firmou na verdade, porque nele não há verdade. Quando ele profere mentira, fala do que lhe é próprio, porque é mentiroso e pai da mentira.

45 Mas, porque eu digo a verdade, não me credes.

46 Quem dentre vós me convence de pecado? Se vos digo a verdade, por que razão não me credes?

47 Quem é de Deus ouve as palavras de Deus; por isso, não me dais ouvidos, porque não sois de Deus.

48 Responderam, pois, os judeus e lhe disseram: Porventura, não temos razão em dizer que és samaritano e tens demônio?

49 Replicou Jesus: Eu não tenho demônio; pelo contrário, honro a meu Pai, e vós me desonrais.

50 Eu não procuro a minha própria glória; há quem a busque e julgue.

51 Em verdade, em verdade vos digo: se alguém guardar a minha palavra, não verá a morte, eternamente.

52 Disseram-lhe os judeus: Agora, estamos certos de que tens demônio. Abraão morreu, e também os profetas, e tu dizes: Se alguém guardar a minha palavra, não provará a morte, eternamente.

53 És maior do que Abraão, o nosso pai, que morreu? Também os profetas morreram. Quem, pois, te fazes ser?

54 Respondeu Jesus: Se eu me glorifico a mim mesmo, a minha glória nada é; quem

kwasekuqaleni, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye. Nxa ekhuluma amanga, ukhuluma okungokwakhe, lokhu engumqambimanga noyise wawo.

45 Kepha mina, ngokuba ngikhuluma iqiniso, anikholwa yimi.

46 Ngumuphi kini ongangilahla ngesono na? Uma ngikhuluma iqiniso, anikholwa yimi ngani na?

47OngokaNkulunkulu uzwa amazwi kaNkulunkulu; kungakho ningezwe nina, ngokuba anisibo abakaNkulunkulu.

48 Baphendula abaJuda, bathi kuye: Asisho kahle yini ukuthi ungumSamariya nokuthi unedemoni na?

49UJesu waphendula wathi: Anginademoni, kepha ngidumisa uBaba; nina-ke niyangidumaza.

50Mina-ke angifuni olwami udumo; ukhona ofunayo nowahlulelayo.

51 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma umuntu egcina izwi lami, akasoze akubona ukufa naphakade.

52Bathi kuye abaJuda: Manje sesiyazi ukuthi unedemoni; u-Abrahama wafa, nabaprofethi; wena-ke uthi: Uma umuntu egcina izwi lami, kasoze akuzwa ukufa naphakade.

53 Wena umkhulu yini kunobaba u-Abrahama osewafa na? Nabaprofethi sebafa. Uzenza bani na?

54UJesu waphendula wathi: Uma ngizidumisa mina, udumo lwami luyize;

me glorifica é meu Pai, o qual vós dizeis que é vosso Deus.

55 Entretanto, vós não o tendes conhecido; eu, porém, o conheço. Se eu disser que não o conheço, serei como vós: mentiroso; mas eu o conheço e guardo a sua palavra.

56 Abraão, vosso pai, alegrou-se por ver o meu dia, viu-o e regozijou-se.

57 Perguntaram-lhe, pois, os judeus: Ainda não tens cinqüenta anos e viste Abraão?

58 Respondeu-lhes Jesus: Em verdade, em verdade eu vos digo: antes que Abraão existisse, EU SOU.

59 Então, pegaram em pedras para atirarem nele; mas Jesus se ocultou e saiu do templo.

João 9

A cura de um cego de nascença

1 Caminhando Jesus, viu um homem cego de nascença.

2 E os seus discípulos perguntaram: Mestre, quem pecou, este ou seus pais, para que nascesse cego?

3 Respondeu Jesus: Nem ele pecou, nem seus pais; mas foi para que se manifestem nele as obras de Deus.

4 É necessário que façamos as obras daquele que me enviou, enquanto é dia; a noite vem, quando ninguém pode trabalhar.

nguBaba ongidumisayo, enisho ngaye ukuthi unguNkulunkulu wenu.

55 Kanti animazanga, kepha mina ngiyamazi. Uma ngithi angimazi, ngingaba ngumqambimanga njengani. Kepha ngiyamazi, ngigcina izwi lakhe.

56 U-Abrahama uyihlo wathokozela ukubona usuku lwami, walubona, wajabula.

57Base bethi kuye abaJuda: Awukabi naminyaka engamashumi ayisihlanu, kanti u-Abrahama usuke wambona na?

58 UJesu wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Engakabikho u-Abrahama, ngangikhona mina.

59 Base bethatha amatshe ukuba bamkhande. Kepha uJesu wasithela, waphuma ethempelini.

NgokukaJohane 9

UJesu uvula amehlo omuntu owayezelwe eyimpumputhe

1Wathi edlula, wabona umuntu owayeyimpumputhe kwasekuzalweni kwakhe.

2 Abafundi bakhe bambuza bathi: Rabi, ngubani owonayo, lona noma abazali bakhe, aze azalwe eyimpumputhe na?

3 UJesu waphendula wathi: Akonanga noma yena noma abazali bakhe, kodwa ukuze kubonakaliswe kuye imisebenzi kaNkulunkulu.

4Ngimelwe ukusebenza imisebenzi yongithumileyo, kusesemini; buyeza ubusuku, lapho kungesebenze muntu.

[5] Enquanto estou no mundo, sou a luz do mundo.

[6] Dito isso, cuspiu na terra e, tendo feito lodo com a saliva, aplicou-o aos olhos do cego,

[7] dizendo-lhe: Vai, lava-te no tanque de Siloé (que quer dizer Enviado). Ele foi, lavou-se e voltou vendo.

[8] Então, os vizinhos e os que dantes o conheciam de vista, como mendigo, perguntavam: Não é este o que estava assentado pedindo esmolas?

[9] Uns diziam: É ele. Outros: Não, mas se parece com ele. Ele mesmo, porém, dizia: Sou eu.

[10] Perguntaram-lhe, pois: Como te foram abertos os olhos?

[11] Respondeu ele: O homem chamado Jesus fez lodo, untou-me os olhos e disse-me: Vai ao tanque de Siloé e lava-te. Então, fui, lavei-me e estou vendo.

[12] Disseram-lhe, pois: Onde está ele? Respondeu: Não sei.

Os fariseus interrogam o cego

[13] Levaram, pois, aos fariseus o que dantes fora cego.

[14] E era sábado o dia em que Jesus fez o lodo e lhe abriu os olhos.

[15] Então, os fariseus, por sua vez, lhe perguntaram como chegara a ver; ao que lhes respondeu: Aplicou lodo aos meus olhos, lavei-me e estou vendo.

[16] Por isso, alguns dos fariseus diziam: Esse homem não é de Deus, porque não guarda o sábado. Diziam outros: Como

[5] Ngisekhona ezweni ngingukukhanya kwezwe.

[6] Eseshilo lokho wafela amathe emhlabathini, wenza udaka ngamathe, waninda amehlo ayo ngodaka.

[7] Wathi kuyo: Hamba uyogeza echibini laseSilowama, okuhunyushwa ngokuthi oThunyiweyo; yamuka-ke, yageza, yeza ibona.

[8]Ngakho abakhelene nayo nababeyibonile phambili iyisinxibi bathi: Akusiye lo owayehlezi enxiba na?

[9]Abanye bathi: Nguyena, abanye bathi: Qha, kepha ufana naye; yena wathi: Nginguye.

[10]Base bethi kuye: Pho, amehlo akho avulwe kanjani na?

[11]Waphendula yena, wathi: Umuntu othiwa uJesu wenza udaka, wagcoba amehlo ami, wathi kimi: Yana eSilowama, ugeze. Ngaya, ngageza, ngabona.

[12]Bathi kuye: Uphi yena na? Wathi: Angazi.

[13]Bamyisa kubaFarisi lowo okade eyimpumputhe.

[14] Kwakuyisabatha mhla uJesu enza udaka, evula amehlo akhe.

[15]Khona nabaFarisi futhi bambuza ukuthi ukuthole kanjani ukubona. Wathi kubo: Waninda amehlo ami ngodaka, ngageza, sengiyabona.

[16] Ngakho abanye kubaFarisi bathi: Lona kaveli kuNkulunkulu, lokhu engagcini isabatha. Abanye bathi: Umuntu oyisoni

pode um homem pecador fazer tamanhos sinais? E houve dissensão entre eles.

[17] De novo, perguntaram ao cego: Que dizes tu a respeito dele, visto que te abriu os olhos? Que é profeta, respondeu ele.

[18] Não acreditaram os judeus que ele fora cego e que agora via, enquanto não lhe chamaram os pais

[19] e os interrogaram: É este o vosso filho, de quem dizeis que nasceu cego? Como, pois, vê agora?

[20] Então, os pais responderam: Sabemos que este é nosso filho e que nasceu cego;

[21] mas não sabemos como vê agora; ou quem lhe abriu os olhos também não sabemos. Perguntai a ele, idade tem; falará de si mesmo.

[22] Isto disseram seus pais porque estavam com medo dos judeus; pois estes já haviam assentado que, se alguém confessasse ser Jesus o Cristo, fosse expulso da sinagoga.

[23] Por isso, é que disseram os pais: Ele idade tem, interrogai-o.

[24] Então, chamaram, pela segunda vez, o homem que fora cego e lhe disseram: Dá glória a Deus; nós sabemos que esse homem é pecador.

[25] Ele retrucou: Se é pecador, não sei; uma coisa sei: eu era cego e agora vejo.

angazenza kanjani izibonakaliso ezinje na? Kwaba khona ukwahlukana phakathi kwabo.

[17] Khona baphinda bathi kuyo impumputhe: Wena uthini ngaye, lokhu evule amehlo akho, na? Yathi: Ungumprofethi.

[18]Kepha abaJuda abakholwanga ngaye ukuthi wabeyimpumputhe nokuthi usethole ukubona, baze babiza abazali bakhe lowo osethole ukubona.

[19]Bababuza bathi: Lo uyindodana yenu enithi ngayo yazalwa iyimpumputhe na? Pho, isibona kanjani manje na?

[20]Abazali bakhe base bephendula bethi: Siyazi ukuthi lo uyindodana yethu nokuthi wazalwa eyimpumputhe;

[21]kepha ukuthi usebona kanjani kalokhu asazi, nokuthi ngubani ovule amehlo akhe asazi; mbuzeni yena, usekhulile, uzozikhulumela yena.

[22] Abazali bakhe basho lokho, ngokuba besaba abaJuda. Ngokuba abaJuda base bevumelene ngokuthi, uma ekhona ovuma ukuba unguKristu, kakhishwe esinagogeni.

[23]Ngakho-ke abazali bakhe bathi: Usekhulile, mbuzeni yena.

[24] Bambiza-ke ngokwesibili lowo muntu owabeyimpumputhe, bathi kuye: Mnike uNkulunkulu udumo; thina siyazi ukuthi lowo muntu uyisoni.

[25]Yena wayesephendula ethi: Nokuba uyisoni angazi; kunye engikwaziyo,

ukuthi bengiyimpumputhe, manje sengiyabona.

26 Perguntaram-lhe, pois: Que te fez ele? como te abriu os olhos?

26Bathi-ke kuye: Wenzeni kuwe na? Uwavule kanjani amehlo akho na?

27 Ele lhes respondeu: Já vo-lo disse, e não atendestes; por que quereis ouvir outra vez? Porventura, quereis vós também tornar-vos seus discípulos?

27Wabaphendula wathi: Kade nginitshela, kepha anizwanga; nifunelani ukuzwa futhi na? Niyafuna yini nani ukuba ngabafundi bakhe na?

28 Então, o injuriaram e lhe disseram: Discípulo dele és tu; mas nós somos discípulos de Moisés.

28Bamthuka bathi: Nguwe ongumfundi wakhe, kepha thina singabafundi bakaMose.

29 Sabemos que Deus falou a Moisés; mas este nem sabemos donde é.

29 Siyazi ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kuMose, kodwa lo asimazi lapha evela khona.

30 Respondeu-lhes o homem: Nisto é de estranhar que vós não saibais donde ele é, e, contudo, me abriu os olhos.

30Waphendula lowo muntu, wathi kubo: Lokhu kuyisimangaliso ukuthi nina anazi lapho evela khona, ingani uvule amehlo ami.

31 Sabemos que Deus não atende a pecadores; mas, pelo contrário, se alguém teme a Deus e pratica a sua vontade, a este atende.

31 Siyazi ukuthi uNkulunkulu akazizwa izoni, kodwa uma umuntu emesaba uNkulunkulu, ayenze intando yakhe, uyamuzwa lowo.

32 Desde que há mundo, jamais se ouviu que alguém tenha aberto os olhos a um cego de nascença.

32Selokhu kwathini akuzange kuzwakale ukuthi ukhona owavula amehlo ozelwe eyimpumputhe.

33 Se este homem não fosse de Deus, nada poderia ter feito.

33Uma lo ebengaveli kuNkulunkulu, ubengenakwenza lutho.

34 Mas eles retrucaram: Tu és nascido todo em pecado e nos ensinas a nós? E o expulsaram.

34Baphendula, bathi kuye: Wena wazalwa ezonweni ngokwempela, wena ufundisa thina na? Base bemkhiphela phandle.

Jesus revela-se ao cego

35 Ouvindo Jesus que o tinham expulsado, encontrando-o, lhe perguntou: Crês tu no Filho do Homem?

35UJesu wezwa ukuthi bamkhiphele phandle; kwathi emfumana, wathi: Uyakholwa yiNdodana kaNkulunkulu na?

36 Ele respondeu e disse: Quem é, SENHOR, para que eu nele creia?

36Waphendula yena, wathi: Ingubani, Nkosi, ngize ngikholwe yiyo, na?

[37] E Jesus lhe disse: Já o tens visto, e é o que fala contigo.
[38] Então, afirmou ele: Creio, SENHOR; e o adorou.
[39] Prosseguiu Jesus: Eu vim a este mundo para juízo, a fim de que os que não vêem vejam, e os que vêem se tornem cegos.
[40] Alguns dentre os fariseus que estavam perto dele perguntaram-lhe: Acaso, também nós somos cegos?
[41] Respondeu-lhes Jesus: Se fôsseis cegos, não teríeis pecado algum; mas, porque agora dizeis: Nós vemos, subsiste o vosso pecado.

[37] UJesu wathi kuye: Usuyibonile; okhuluma nawe yiyona.
[38]Wayesethi: Ngiyakholwa, Nkosi. Wakhuleka kuye.
[39] Wathi uJesu: Mina ngizele ukwahlulela kuleli zwe ukuba abangaboniyo babone, nababonayo babe yizimpumputhe.
[40]Labo kubaFarisi ababenaye bezwa lokho, bathi kuye: Pho, nathi siyizimpumputhe na?
[41] Wathi kubo uJesu: Ukuba beniyizimpumputhe, ngabe aninasono. Kepha manje nithi: Siyabona; isono senu sihlezi.

João 10

Jesus, o bom pastor

[1] Em verdade, em verdade vos digo: o que não entra pela porta no aprisco das ovelhas, mas sobe por outra parte, esse é ladrão e salteador.
[2] Aquele, porém, que entra pela porta, esse é o pastor das ovelhas.
[3] Para este o porteiro abre, as ovelhas ouvem a sua voz, ele chama pelo nome as suas próprias ovelhas e as conduz para fora.
[4] Depois de fazer sair todas as que lhe pertencem, vai adiante delas, e elas o seguem, porque lhe reconhecem a voz;
[5] mas de modo nenhum seguirão o estranho; antes, fugirão dele, porque não conhecem a voz dos estranhos.
[6] Jesus lhes propôs esta parábola, mas eles não compreenderam o sentido daquilo que lhes falava.

NgokukaJohane 10

Umalusi omuhle

[1] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Ongangeni ngesango esibayeni sezimvu, kodwa ekhwela ngenye indawo, lowo uyisela nomphangi.
[2]Kepha ongena ngesango ungumalusi wezimvu.
[3] Umlindisango uyamvulela lowo; nezimvu ziyalizwa izwi lakhe; ubiza ezakhe izimvu ngamagama, aziholele phandle.
[4]Nxa esezikhiphile ezakhe zonke, uhamba phambi kwazo, izimvu zimlandele, ngokuba zilazi izwi lakhe.
[5]Kepha umfokazi azisoze zamlandela, kodwa ziyakumbalekela, ngokuba zingalazi izwi labafokazi.
[6]UJesu washo lo mfanekiso kubo; kepha bona abezwisisanga ukuba kuyini lokho akukhuluma kubo.

[7] Jesus, pois, lhes afirmou de novo: Em verdade, em verdade vos digo: eu sou a porta das ovelhas.
[8] Todos quantos vieram antes de mim são ladrões e salteadores; mas as ovelhas não lhes deram ouvido.
[9] Eu sou a porta. Se alguém entrar por mim, será salvo; entrará, e sairá, e achará pastagem.
[10] O ladrão vem somente para roubar, matar e destruir; eu vim para que tenham vida e a tenham em abundância.
[11] Eu sou o bom pastor. O bom pastor dá a vida pelas ovelhas.
[12] O mercenário, que não é pastor, a quem não pertencem as ovelhas, vê vir o lobo, abandona as ovelhas e foge; então, o lobo as arrebata e dispersa.
[13] O mercenário foge, porque é mercenário e não tem cuidado com as ovelhas.
[14] Eu sou o bom pastor; conheço as minhas ovelhas, e elas me conhecem a mim,
[15] assim como o Pai me conhece a mim, e eu conheço o Pai; e dou a minha vida pelas ovelhas.
[16] Ainda tenho outras ovelhas, não deste aprisco; a mim me convém conduzi-las; elas ouvirão a minha voz; então, haverá um rebanho e um pastor.
[17] Por isso, o Pai me ama, porque eu dou a minha vida para a reassumir.
[18] Ninguém a tira de mim; pelo contrário, eu espontaneamente a dou. Tenho

[7]Ngakho-ke uJesu wabuye wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Mina ngiyisango lezimvu.
[8]Bonke abafike ngaphambi kwami bangamasela nabaphangi, kepha izimvu azibezwanga.
[9] Mina ngiyisango; uma umuntu engena ngami, uyakusindiswa, angene, aphume, afumane idlelo.
[10] Isela kalizi kungengokweba nokubulala nokubhubhisa; mina ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime.
[11] Ngingumalusi omuhle. Umalusi omuhle udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu.
[12] Okhokhelwayo engesiye umalusi, izimvu zingesizo ezakhe, ebona impisi iza, ushiya izimvu, abaleke -- impisi izibhozomele, izihlakaze --
[13]ngokuba engokhokhelwayo, engazinakekeli izimvu.
[14] Mina ngingumalusi omuhle; ngiyazazi ezami, nezami ziyangazi,
[15] njengalokhu uBaba uyangazi, nami ngiyamazi uBaba; ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu.
[16] Nezinye izimvu nginazo ezingesizo ezalesi sibaya; nalezo ngimelwe ukuziletha; ziyakuzwa izwi lami, kube mhlambi munye nomalusi munye.
[17]Ngalokho uBaba uyangithanda, ngokuba ngidela ukuphila kwami ukuba ngibuye ngikuthabathe.
[18] Akakho ongangamuka ukuphila kwami, kodwa ngikudela ngokwami; nginamandla okukudela, nginamandla

autoridade para a entregar e também para reavê-la. Este mandato recebi de meu Pai.

Nova dissensão entre os judeus

[19] Por causa dessas palavras, rompeu nova dissensão entre os judeus.

[20] Muitos deles diziam: Ele tem demônio e enlouqueceu; por que o ouvis?

[21] Outros diziam: Este modo de falar não é de endemoninhado; pode, porventura, um demônio abrir os olhos aos cegos?

A Festa da Dedicação. Jesus é interrogado

[22] Celebrava-se em Jerusalém a Festa da Dedicação. Era inverno.

[23] Jesus passeava no templo, no Pórtico de Salomão.

[24] Rodearam-no, pois, os judeus e o interpelaram: Até quando nos deixarás a mente em suspenso? Se tu és o Cristo, dize-o francamente.

[25] Respondeu-lhes Jesus: Já vo-lo disse, e não credes. As obras que eu faço em nome de meu Pai testificam a meu respeito.

[26] Mas vós não credes, porque não sois das minhas ovelhas.

[27] As minhas ovelhas ouvem a minha voz; eu as conheço, e elas me seguem.

[28] Eu lhes dou a vida eterna; jamais perecerão, e ninguém as arrebatará da minha mão.

[29] Aquilo que meu Pai me deu é maior do que tudo; e da mão do Pai ninguém pode arrebatar.

[30] Eu e o Pai somos um.

okubuye ngikuthabathe. Lo myalo ngiwamukele kuBaba.

[19] Kwaba khona futhi ukwahlukana phakathi kwabaJuda ngalawo mazwi.

[20] Abaningi kubo bathi: Unedemoni, uyahlanya; nimlalelelani na?

[21]Abanye bathi: Lawo mazwi akusiwo awomuntu onedemoni; imbala idemoni lingavula amehlo ezimpumputhe na?

UJesu unguMesiya

[22]Khona kwakungumkhosi wokuhlanjululwa kwethempeli eJerusalema, kusebusika.

[23] UJesu wayehamba ethempelini emphemeni kaSolomoni.

[24] Base bemhaqa abaJuda bethi kuye: Koze kube nini ulibazisa izinhliziyo zethu na? Uma wena unguKristu, sitshele ngokuchachileyo.

[25] UJesu wabaphendula wathi: Nganitshela, kodwa anikholwanga; imisebenzi engiyenzayo egameni likaBaba yiyona efakaza ngami.

[26]Kodwa nina anikholwa, ngokuba anisibo abezimvu zami.

[27]Izimvu zami ziyalizwa izwi lami; nami ngiyazazi, ziyangilandela;

[28] ngizinika ukuphila okuphakade, azisoze zabhubha naphakade; akakho ongazihlwitha esandleni sami.

[29] UBaba onginikileyo mkhulu kunabo bonke; akakho ongazihlwitha esandleni sikaBaba.

[30] Mina noBaba simunye.

[31] Novamente, pegaram os judeus em pedras para lhe atirar.

[32] Disse-lhes Jesus: Tenho-vos mostrado muitas obras boas da parte do Pai; por qual delas me apedrejais?

[33] Responderam-lhe os judeus: Não é por obra boa que te apedrejamos, e sim por causa da blasfêmia, pois, sendo tu homem, te fazes Deus a ti mesmo.

[34] Replicou-lhes Jesus: Não está escrito na vossa lei: Eu disse: sois deuses?

[35] Se ele chamou deuses àqueles a quem foi dirigida a palavra de Deus, e a Escritura não pode falhar,

[36] então, daquele a quem o Pai santificou e enviou ao mundo, dizeis: Tu blasfemas; porque declarei: sou Filho de Deus?

[37] Se não faço as obras de meu Pai, não me acrediteis;

[38] mas, se faço, e não me credes, crede nas obras; para que possais saber e compreender que o Pai está em mim, e eu estou no Pai.

[39] Nesse ponto, procuravam, outra vez, prendê-lo; mas ele se livrou das suas mãos.

[40] Novamente, se retirou para além do Jordão, para o lugar onde João batizava no princípio; e ali permaneceu.

[41] E iam muitos ter com ele e diziam: Realmente, João não fez nenhum sinal,

[31] AbaJuda base bebuye bethatha amatshe ukuba bamkhande.

[32]UJesu wabaphendula wathi: Nginitshengise imisebenzi eminingi emihle evela kuBaba; yimuphi umsebenzi kulena eningikhandela wona na?

[33] Bamphendula abaJuda, bathi: Asikukhandi ngenxa yomsebenzi omuhle kepha ngenxa yokuhlambalaza, ngokuba wena ungumuntu ozenza uNkulunkulu.

[34] UJesu wabaphendula wathi: Akulotshiwe yini emthethweni wakini ukuthi: Ngithe: Ningonkulunkulu, na?

[35] Uma wathi bangonkulunkulu bona eleza kubo izwi likaNkulunkulu -- nombhalo ungeqiwe --

[36]nithi ngaye uYise amahlukanisileyo, wamthumela ezweni, ukuba uyahlambalaza, ngokuba ngithe: NgiyiNdodana kaNkulunkulu, na?

[37]Uma ngingenzi imisebenzi kaBaba, maningakholwa yimi.

[38] Kepha uma ngiyenza, nakuba ningakholwa yimi, kholwani yimisebenzi, ukuze nazi, niqonde ukuthi uBaba ukimi, nami ngikuBaba.

[39] Base befuna futhi ukumbamba, kepha waphunyuka esandleni sabo.

[40] Waphinda wamuka, waya phesheya kweJordani kuleyo ndawo lapho uJohane waqala ukubhapathiza khona, wahlala lapho.

[41]Nabaningi beza kuye, bathi: UJohane nempela akenzanga sibonakaliso nasinye,

porém tudo quanto disse a respeito deste era verdade.

[42] E muitos ali creram nele.

kepha konke uJohane akusho ngalowo muntu kwakuqinisile.

[42]Abaningi bakholwa nguye lapho.

João 11

A ressurreição de Lázaro

[1] Estava enfermo Lázaro, de Betânia, da aldeia de Maria e de sua irmã Marta.

[2] Esta Maria, cujo irmão Lázaro estava enfermo, era a mesma que ungiu com bálsamo o SENHOR e lhe enxugou os pés com os seus cabelos.

[3] Mandaram, pois, as irmãs de Lázaro dizer a Jesus: SENHOR, está enfermo aquele a quem amas.

[4] Ao receber a notícia, disse Jesus: Esta enfermidade não é para morte, e sim para a glória de Deus, a fim de que o Filho de Deus seja por ela glorificado.

[5] Ora, amava Jesus a Marta, e a sua irmã, e a Lázaro.

[6] Quando, pois, soube que Lázaro estava doente, ainda se demorou dois dias no lugar onde estava.

[7] Depois, disse aos seus discípulos: Vamos outra vez para a Judéia.

[8] Disseram-lhe os discípulos: Mestre, ainda agora os judeus procuravam apedrejar-te, e voltas para lá?

[9] Respondeu Jesus: Não são doze as horas do dia? Se alguém andar de dia, não tropeça, porque vê a luz deste mundo;

NgokukaJohane 11

Ukuvuswa kukaLazaru

[1] Kwakukhona othile ogulayo, uLazaru waseBethaniya umuzi wakubo kaMariya nodadewabo uMarta.

[2] UMariya kwakunguye owagcoba iNkosi ngamafutha, wesula izinyawo zayo ngezinwele zakhe, omnewabo uLazaru wayegula.

[3]Ngakho-ke odadewabo bathumela kuye, bathi: Nkosi, bheka, lo omthandayo uyagula.

[4] UJesu esekuzwile lokho wathi: Lokhu kugula akusikho okokufa, kodwa kungenxa yenkazimulo kaNkulunkulu ukuba iNdodana kaNkulunkulu ikhazimuliswe ngakho.

[5]Kepha uJesu wayebathanda oMarta nodadewabo noLazaru.

[6]Ngakho-ke kwathi ezwa ukuthi uyagula, wahlala futhi izinsuku ezimbili endaweni abe kuyo.

[7]Emva kwalokho wathi kubafundi bakhe: Asibuye, siye eJudiya.

[8] Abafundi bathi kuye: Rabi, abaJuda basand ukufuna ukukukhanda ngamatshe; usaya futhi khona na?

[9] UJesu waphendula wathi: Awakho yini amahora ayishumi nambili emini na? Uma umuntu ehamba emini, akakhubeki, ngokuba ubona ukukhanya kwaleli zwe.

[10] mas, se andar de noite, tropeça, porque nele não há luz.

[11] Isto dizia e depois lhes acrescentou: Nosso amigo Lázaro adormeceu, mas vou para despertá-lo.

[12] Disseram-lhe, pois, os discípulos: SENHOR, se dorme, estará salvo.

[13] Jesus, porém, falara com respeito à morte de Lázaro; mas eles supunham que tivesse falado do repouso do sono.

[14] Então, Jesus lhes disse claramente: Lázaro morreu;

[15] e por vossa causa me alegro de que lá não estivesse, para que possais crer; mas vamos ter com ele.

[16] Então, Tomé, chamado Dídimo, disse aos condiscípulos: Vamos também nós para morrermos com ele.

[17] Chegando Jesus, encontrou Lázaro já sepultado, havia quatro dias.

[18] Ora, Betânia estava cerca de quinze estádios perto de Jerusalém.

[19] Muitos dentre os judeus tinham vindo ter com Marta e Maria, para as consolar a respeito de seu irmão.

[20] Marta, quando soube que vinha Jesus, saiu ao seu encontro; Maria, porém, ficou sentada em casa.

[21] Disse, pois, Marta a Jesus: SENHOR, se estiveras aqui, não teria morrido meu irmão.

[10]Kodwa uma umuntu ehamba ebusuku, uyakhubeka, ngokuba kungekho ukukhanya kuye.

[11] Wakhuluma lokho; emva kwalokho wathi kubo: ULazaru umhlobo wethu ulele, kepha ngiyahamba ukuba ngimvuse ebuthongweni.

[12]Abafundi bakhe base bethi kuye: Nkosi, uma elele, uyakusinda.

[13]Kepha uJesu wayekhuluma ngokufa kwakhe, kepha bona babethi ukhuluma ngokulala ubuthongo.

[14]Ngakho-ke uJesu wathi kubo ngokuchachileyo: ULazaru ufile;

[15]ngiyathokoza ngenxa yenu ukuthi bengingekho, ukuze nikholwe; kepha asiye kuye.

[16] Khona uTomase, othiwa uDidimu, wathi kubafundi abakanye naye: Asihambe nathi, ukuze sife kanye naye.

[17]Kwathi-ke esefika uJesu, wamfumana esenezinsuku ezine ethuneni.

[18]IBethaniya laliseduze neJerusalema, kungaba ngamastadiyu ayishumi nanhlanu.

[19]Abaningi kubaJuda babefikile koMarta noMariya ukubakhuza ngomnewabo.

[20]Ngakho uMarta esezwe ukuthi uJesu uyeza, waya ukumhlangabeza, kepha uMariya wahlala endlini.

[21]Wayesethi uMarta kuJesu: Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga;

[22] Mas também sei que, mesmo agora, tudo quanto pedires a Deus, Deus to concederá.
[23] Declarou-lhe Jesus: Teu irmão há de ressurgir.
[24] Eu sei, replicou Marta, que ele há de ressurgir na ressurreição, no último dia.
[25] Disse-lhe Jesus: Eu sou a ressurreição e a vida. Quem crê em mim, ainda que morra, viverá;
[26] e todo o que vive e crê em mim não morrerá, eternamente. Crês isto?
[27] Sim, SENHOR, respondeu ela, eu tenho crido que tu és o Cristo, o Filho de Deus que devia vir ao mundo.
[28] Tendo dito isto, retirou-se e chamou Maria, sua irmã, e lhe disse em particular: O Mestre chegou e te chama.
[29] Ela, ouvindo isto, levantou-se depressa e foi ter com ele,
[30] pois Jesus ainda não tinha entrado na aldeia, mas permanecia onde Marta se avistara com ele.
[31] Os judeus que estavam com Maria em casa e a consolavam, vendo-a levantar-se depressa e sair, seguiram-na, supondo que ela ia ao túmulo para chorar.
[32] Quando Maria chegou ao lugar onde estava Jesus, ao vê-lo, lançou-se-lhe aos pés, dizendo: SENHOR, se estiveras aqui, meu irmão não teria morrido.
[33] Jesus, vendo-a chorar, e bem assim os judeus que a acompanhavam, agitou-se no espírito e comoveu-se.

[22]kepha ngiyazi nakalokhu ukuthi nokuba yini ongakucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzakukunika khona.
[23]UJesu wathi kuye: Umnewenu uzakuvuka.
[24] UMarta wathi kuye: Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekuvukeni ngosuku lokugcina.
[25] UJesu wathi kuye: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila.
[26] Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokho na?
[27] Wathi kuye: Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, obezakuza ezweni.
[28]Eseshilo lokho wamuka wabiza uMariya udadewabo ngasese, wathi: UMfundisi ukhona, uyakubiza.
[29]Yena-ke ekuzwa lokho wasuka masinyane, waya kuye.
[30]Kepha uJesu wayengakafiki emzini, kodwa wayesekuleyo ndawo uMarta amhlangabeza kuyo.
[31]AbaJuda ababesendlini naye bemkhuza, bebona uMariya esuka masinyane ephuma, bamlandela, bathi: Uya ethuneni ukuba akhale khona.
[32]UMariya esefike lapho ekhona uJesu, embona, wawa ngasezinyaweni zakhe, wathi: Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga.
[33]Ngakho uJesu embona ekhala, nabaJuda abafika naye bekhala, wabubula emoyeni, wakhathazeka;

[34] E perguntou: Onde o sepultastes? Eles lhe responderam: SENHOR, vem e vê!

[35] Jesus chorou.

[36] Então, disseram os judeus: Vede quanto o amava.

[37] Mas alguns objetaram: Não podia ele, que abriu os olhos ao cego, fazer que este não morresse?

[38] Jesus, agitando-se novamente em si mesmo, encaminhou-se para o túmulo; era este uma gruta a cuja entrada tinham posto uma pedra.

[39] Então, ordenou Jesus: Tirai a pedra. Disse-lhe Marta, irmã do morto: SENHOR, já cheira mal, porque já é de quatro dias.

[40] Respondeu-lhe Jesus: Não te disse eu que, se creres, verás a glória de Deus?

[41] Tiraram, então, a pedra. E Jesus, levantando os olhos para o céu, disse: Pai, graças te dou porque me ouviste.

[42] Aliás, eu sabia que sempre me ouves, mas assim falei por causa da multidão presente, para que creiam que tu me enviaste.

[43] E, tendo dito isto, clamou em alta voz: Lázaro, vem para fora!

[44] Saiu aquele que estivera morto, tendo os pés e as mãos ligados com ataduras e o rosto envolto num lenço. Então, lhes ordenou Jesus: Desatai-o e deixai-o ir.

[45] Muitos, pois, dentre os judeus que tinham vindo visitar Maria, vendo o que fizera Jesus, creram nele.

[34]wathi: Nimbekephi na? Bathi kuye: Nkosi, woza ubone.

[35]UJesu wakhala izinyembezi.

[36]Ngakho-ke abaJuda bathi: Bheka, ukumthanda kwakhe okungaka.

[37] Kepha abanye kubo bathi: Lo owavula amehlo empumputhe wayengekwenze yini ukuba yena lo angafi na?

[38]Ngakho uJesu, ebubula futhi phakathi kwakhe, wafika ethuneni. Lalingumhume, kwakukhona itshe phezu kwawo.

[39]Wathi uJesu: Susani itshe. UMarta, udadewabo wofileyo, wathi kuye: Nkosi, usenuka; ngokuba sezizine.

[40]UJesu wathi kuye: Angishongo yini kuwe ukuthi uma ukholwa, uzakubona inkazimulo kaNkulunkulu, na?

[41] Balisusa-ke itshe. Kepha uJesu waphakamisa amehlo, wathi: Baba, ngiyakubonga ngokuba ungizwile.

[42]Bengazi mina ukuthi ungizwa njalo, kodwa ngenxa yesixuku esingiphahlileyo ngishilo lokho, ukuze bakholwe ukuthi nguwena ongithumileyo.

[43] Esekhulume lokho wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Lazaru, phuma.

[44]Waphuma ofileyo eboshwe izinyawo nezandla ngezindwangu, ubuso bakhe bumboziwe ngeduku. UJesu wathi kubo: Mthukululeni, nimyeke ahambe.

Umphakathi unquma ukumbulala uJesu

[45] Khona abaningi kubaJuda ababezile kuMariya bebona abekwenzile, bakholwa nguye.

[46] Outros, porém, foram ter com os fariseus e lhes contaram dos feitos que Jesus realizara.

O plano para tirar a vida de Jesus

[47] Então, os principais sacerdotes e os fariseus convocaram o Sinédrio; e disseram: Que estamos fazendo, uma vez que este homem opera muitos sinais?

[48] Se o deixarmos assim, todos crerão nele; depois, virão os romanos e tomarão não só o nosso lugar, mas a própria nação.

[49] Caifás, porém, um dentre eles, sumo sacerdote naquele ano, advertiu-os, dizendo: Vós nada sabeis,

[50] nem considerais que vos convém que morra um só homem pelo povo e que não venha a perecer toda a nação.

[51] Ora, ele não disse isto de si mesmo; mas, sendo sumo sacerdote naquele ano, profetizou que Jesus estava para morrer pela nação

[52] e não somente pela nação, mas também para reunir em um só corpo os filhos de Deus, que andam dispersos.

[53] Desde aquele dia, resolveram matá-lo.

[54] De sorte que Jesus já não andava publicamente entre os judeus, mas retirou-se para uma região vizinha ao deserto, para uma cidade chamada Efraim; e ali permaneceu com os discípulos.

[55] Estava próxima a Páscoa dos judeus; e muitos daquela região subiram para Jerusalém antes da Páscoa, para se purificarem.

[46]Kepha abanye babo baya kubaFarisi, babatshela abekwenzile uJesu.

[47] Ngalokho abapristi abakhulu nabaFarisi base bemema umphakathi, bathi: Siyakwenze njani na? Lo muntu wenza izibonakaliso eziningi;

[48]uma simyeka njalo, bazakukholwa nguye bonke; amaRoma ayakufika, asamuke indawo nesizwe.

[49]Kepha othile wabo, uKayafase, engumpristi omkhulu walowo mnyaka, wathi kubo: Anazi lutho nina;

[50] aniqondi futhi ukuthi kunilungele ukuba umuntu oyedwa afele abantu, isizwe sonke singabhubhi.

[51] Lokho kakushongo ngokwakhe, kodwa engumpristi omkhulu walowo mnyaka waprofetha ukuba uJesu wayezakufa ngenxa yesizwe;

[52] kungengenxa yesizwe kuphela, kepha ukuba abuthele ndawonye abantwana bakaNkulunklu abahlakazekileyo, babe munye.

[53] Kusukela kulolo suku baceba ukuba bambulale.

[54]Ngakho uJesu kabuyange esahamba obala phakathi kwabaJuda, kepha wamuka lapho, waya ezweni eliseduze nehlane emzini othiwa i-Efrayimi; wahlala khona nabafundi bakhe.

[55] Lase liseduze iPhasika labaJuda; abaningi abavela emaphandleni bakhuphukela eJerusalema ngaphambi kwePhasika ukuba bazihlambulule.

[56] Lá, procuravam Jesus e, estando eles no templo, diziam uns aos outros: Que vos parece? Não virá ele à festa?

[57] Ora, os principais sacerdotes e os fariseus tinham dado ordem para, se alguém soubesse onde ele estava, denunciá-lo, a fim de o prenderem.

[56]Ngakho bamfuna uJesu, bexoxa bemi ethempelini, bethi: Nithini na? Akayikuza nempela emkhosini na?

[57]Abapristi abakhulu nabaFarisi babekhiphe umyalo wokuthi uma kukhona owaziyo lapho ekhona, ababikele, ukuze bambambe.

João 12

Jesus ungido por Maria em Betânia
Mateus 26.6-13; Marcos 14.3-9

[1] Seis dias antes da Páscoa, foi Jesus para Betânia, onde estava Lázaro, a quem ele ressuscitara dentre os mortos.

[2] Deram-lhe, pois, ali, uma ceia; Marta servia, sendo Lázaro um dos que estavam com ele à mesa.

[3] Então, Maria, tomando uma libra de bálsamo de nardo puro, mui precioso, ungiu os pés de Jesus e os enxugou com os seus cabelos; e encheu-se toda a casa com o perfume do bálsamo.

[4] Mas Judas Iscariotes, um dos seus discípulos, o que estava para traí-lo, disse:

[5] Por que não se vendeu este perfume por trezentos denários e não se deu aos pobres?

[6] Isto disse ele, não porque tivesse cuidado dos pobres; mas porque era ladrão e, tendo a bolsa, tirava o que nela se lançava.

NgokukaJohane 12

UJesu ugcotshwa eBethaniya
(Math. 26:6; Mark. 14:3)

[1] Ngakho kuseyizinsuku eziyisithupha ngaphambi kwePhasika, uJesu wafika eBethaniya, lapho wayekhona uLazaru uJesu amvusa kwabafileyo.

[2]Base bemenzela ukudla khona; uMarta wayephaka, kepha uLazaru wayengomunye wababehlezi ekudleni naye.

[3] UMariya wayesethatha ilitra lamafutha enadi lodwa elinenani elikhulu, wagcoba izinyawo zikaJesu, wesula izinyawo zakhe ngezinwele zakhe; indlu yagcwala iphunga lamafutha.

[4]Kepha uJuda Iskariyothe, omunye wabafundi bakhe obezakumkhaphela, wathi:

[5] Yini ukuba lawa mafutha engathengiswanga ngawodenariyu abangamakhulu amathathu, kwaphiwa abampofu, na?

[6] Washo lokho kungengokuba ekhathalele abampofu, kepha ngokuba eyisela, ephethe isikhwama, eba okufakwa kuso.

[7] Jesus, entretanto, disse: Deixa-a! Que ela guarde isto para o dia em que me embalsamarem;

[8] porque os pobres, sempre os tendes convosco, mas a mim nem sempre me tendes.

O plano para tirar a vida de Lázaro

[9] Soube numerosa multidão dos judeus que Jesus estava ali, e lá foram não só por causa dele, mas também para verem Lázaro, a quem ele ressuscitara dentre os mortos.

[10] Mas os principais sacerdotes resolveram matar também Lázaro;

[11] porque muitos dos judeus, por causa dele, voltavam crendo em Jesus.

A entrada triunfal de Jesus em Jerusalém

Mateus 21.1-11; Marcos 11.1-11; Lucas 19.28-40

[12] No dia seguinte, a numerosa multidão que viera à festa, tendo ouvido que Jesus estava de caminho para Jerusalém,

[13] tomou ramos de palmeiras e saiu ao seu encontro, clamando: Hosana! Bendito o que vem em nome do SENHOR e que é Rei de Israel!

[14] E Jesus, tendo conseguido um jumentinho, montou-o, segundo está escrito:

[15] Não temas, filha de Sião, eis que o teu Rei aí vem, montado em um filho de jumenta.

[16] Seus discípulos a princípio não compreenderam isto; quando, porém, Jesus foi glorificado, então, eles se lembraram de que estas coisas estavam escritas a respeito dele e também de que isso lhe fizeram.

[7]Ngakho uJesu wathi: Myeke ukuba awalondolozele usuku lokumbelwa kwami.

[8]Ngokuba abampofu ninabo njalo, kepha mina aninami njalo.

[9] Ngakho isixuku esikhulu sabaJuda sezwa ukuthi ulapho. Beza-ke kungengenxa kaJesu kuphela, kepha nokuba babone uLazaru abemvusile kwabafileyo.

[10]Kepha abapristi abakhulu benza icebo lokuba babulale noLazaru,

[11]ngokuba ngenxa yakhe abaningi babaJuda bamuka bakholwa nguJesu.

UJesu ungena eJerusalema

(Math. 21:1; Mark. 11:1; Luk. 19:29)

[12] Ngangomuso abantu abaningi abafike emkhosini sebezwile ukuthi uJesu uyeza eJerusalema,

[13] bathatha amahlamvu esundu, baphuma ukumhlangabeza. Bamemeza bathi: Hosiyana! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi, yebo, iNkosi ka-Israyeli.

[14]UJesu esefumene imbongolo entsha wakhwela kuyo njengokulotshiwe ukuthi:

[15] Ungesabi, ndodakazi yaseSiyoni; bheka, iNkosi yakho iza, ikhwele etholeni lembongolo.

[16] Lokho abafundi bakhe abakuqondanga ekuqaleni; kodwa esekhazimulisiwe uJesu, base bekhumbula ukuthi kulotshiwe lokho ngaye nokuthi babekwenzile lokho kuye.

[17] Dava, pois, testemunho disto a multidão que estivera com ele, quando chamara a Lázaro do túmulo e o levantara dentre os mortos.

[18] Por causa disso, também, a multidão lhe saiu ao encontro, pois ouviu que ele fizera este sinal.

[19] De sorte que os fariseus disseram entre si: Vede que nada aproveitais! Eis aí vai o mundo após ele.

Alguns gregos desejam ver Jesus

[20] Ora, entre os que subiram para adorar durante a festa, havia alguns gregos;

[21] estes, pois, se dirigiram a Filipe, que era de Betsaida da Galiléia, e lhe rogaram: SENHOR, queremos ver Jesus.

[22] Filipe foi dizê-lo a André, e André e Filipe o comunicaram a Jesus.

[23] Respondeu-lhes Jesus: É chegada a hora de ser glorificado o Filho do Homem.

[24] Em verdade, em verdade vos digo: se o grão de trigo, caindo na terra, não morrer, fica ele só; mas, se morrer, produz muito fruto.

[25] Quem ama a sua vida perde-a; mas aquele que odeia a sua vida neste mundo preservá-la-á para a vida eterna.

[26] Se alguém me serve, siga-me, e, onde eu estou, ali estará também o meu servo. E, se alguém me servir, o Pai o honrará.

[27] Agora, está angustiada a minha alma, e que direi eu? Pai, salva-me desta hora?

[17]Ngakho safakaza isixuku esasinaye, lapho ebiza uLazaru aphume ethuneni, emvusa kwabafileyo.

[18]Ngenxa yalokho isixuku saya samhlangabeza, ngokuba sase sizwile ukuthi wayesenzile leso sibonakaliso.

[19]Ngakho abaFarisi bakhuluma bodwa, bathi: Niyabona ukuthi anisizi lutho; bheka, izwe lonke liyamlandela.

UJesu ukhuluma ngokufa kwakhe

[20]Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini.

[21] Lawo-ke aya kuFiliphu waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi: Nkosi, sithanda ukubona uJesu.

[22]UFiliphu weza wamtshela u-Andreya. Weza u-Andreya noFiliphu, basho kuJesu.

[23] UJesu waphendula, wathi kubo: Sesifikile isikhathi sokuba ikhazimuliswe iNdodana yomuntu.

[24]Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi.

[25] Lowo othanda ukuphila kwakhe ulahlekelwa yikho, nozonda ukuphila kwakhe kuleli zwe uyakukulondela ukuphila okuphakade.

[26] Uma umuntu engikhonza, akangilandele; nalapha ngikhona mina, soba khona nesikhonzi sami. Uma umuntu engikhonza, uBaba uyakumazisa lowo.

[27] Kalokhu umphefumulo wami ulusizi, ngizakuthini na? Baba, ngisindise kulo

Mas precisamente com este propósito vim para esta hora.

[28] Pai, glorifica o teu nome. Então, veio uma voz do céu: Eu já o glorifiquei e ainda o glorificarei.

[29] A multidão, pois, que ali estava, tendo ouvido a voz, dizia ter havido um trovão. Outros diziam: Foi um anjo que lhe falou.
[30] Então, explicou Jesus: Não foi por mim que veio esta voz, e sim por vossa causa.
[31] Chegou o momento de ser julgado este mundo, e agora o seu príncipe será expulso.
[32] E eu, quando for levantado da terra, atrairei todos a mim mesmo.
[33] Isto dizia, significando de que gênero de morte estava para morrer.

[34] Replicou-lhe, pois, a multidão: Nós temos ouvido da lei que o Cristo permanece para sempre, e como dizes tu ser necessário que o Filho do Homem seja levantado? Quem é esse Filho do Homem?

[35] Respondeu-lhes Jesus: Ainda por um pouco a luz está convosco. Andai enquanto tendes a luz, para que as trevas não vos apanhem; e quem anda nas trevas não sabe para onde vai.
[36] Enquanto tendes a luz, crede na luz, para que vos torneis filhos da luz. Jesus disse estas coisas e, retirando-se, ocultou-se deles.

A explicação da incredulidade dos judeus

mzuzu. Kodwa ngenxa yalokhu ngize kulo mzuzu.
[28]Baba, khazimulisa igama lakho. Kwase kufika izwi livela ezulwini, lithi: Ngilikhazimulisile, ngobuye ngilikhazimulise.
[29]Ngakho abantu ababemi bezwa bathi: Beliduma; abanye bathi: Ingelosi ikhulume kuye.
[30] UJesu waphendula wathi: Leli zwi alizanga ngenxa yami kepha ngenxa yenu.
[31] Kalokhu kungukwahlulelwa kwaleli zwe; kalokhu umbusi waleli zwe uzakuxoshwa.
[32] Mina, nxa ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke.
[33]Lokho-ke wakusho efanekisa ukufa okumfanele afe ngakho.
[34] Ngakho isixuku samphendula sathi: Sizwile emthethweni ukuthi uKristu uyakuma phakade; usho kanjani wena ukuthi iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa na? Ingubani le Ndodana yomuntu na?
[35] Wayesethi kubo uJesu: Kuseyisikhashana ukukhanya kukhona kini. Hambani nise nokukhanya, ukuze ubumnyama bunganehleli. Ohamba ebumnyameni akazi ukuthi uya ngaphi.
[36]Nise nokukhanya kholwani ngukukhanya, ukuze nibe ngabantwana bokukhanya. Washo lokho uJesu, wamuka, wasithela kubo.

Ukwahlulelwa kwabaJuda ngokungakholwa kwabo

[37] E, embora tivesse feito tantos sinais na sua presença, não creram nele,

[38] para se cumprir a palavra do profeta Isaías, que diz: SENHOR, quem creu em nossa pregação? E a quem foi revelado o braço do SENHOR?

[39] Por isso, não podiam crer, porque Isaías disse ainda:

[40] Cegou-lhes os olhos e endureceu-lhes o coração, para que não vejam com os olhos, nem entendam com o coração, e se convertam, e sejam por mim curados.

[41] Isto disse Isaías porque viu a glória dele e falou a seu respeito.

[42] Contudo, muitos dentre as próprias autoridades creram nele, mas, por causa dos fariseus, não o confessavam, para não serem expulsos da sinagoga;

[43] porque amaram mais a glória dos homens do que a glória de Deus.

O resumo do ensino de Jesus

[44] E Jesus clamou, dizendo: Quem crê em mim crê, não em mim, mas naquele que me enviou.

[45] E quem me vê a mim vê aquele que me enviou.

[46] Eu vim como luz para o mundo, a fim de que todo aquele que crê em mim não permaneça nas trevas.

[47] Se alguém ouvir as minhas palavras e não as guardar, eu não o julgo; porque eu não vim para julgar o mundo, e sim para salvá-lo.

[37]Kepha noma ebezenzile izibonakaliso ezingaka phambi kwabo, abakholwanga nguye

[38] ukuba izwi lika-Isaya umprofethi ligcwaliseke, alikhuluma lokuthi: Nkosi, ngubani owakholwa ngukushumayela kwethu na? Ingalo yeNkosi yambulelwa bani na?

[39]Ngalokho babengekholwe, ngokuba u-Isaya washo futhi ukuthi:

[40] Uphuphuthekisile amehlo abo, wayenza lukhuni inhliziyo yabo, funa babone ngamehlo, baqonde ngenhliziyo, baphenduke, ngibaphulukise.

[41] U-Isaya wakusho lokho, ngokuba ebona inkazimulo yakhe, ekhuluma ngaye.

[42] Nokho abaningi nasezikhulwini bakholwa nguye, kodwa ngenxa yabaFarisi abakuvumanga, funa bakhishwe esinagogeni;

[43] ngokuba babethanda udumo lwabantu kunodumo lukaNkulunkulu.

[44] Khona uJesu wamemeza wathi: Okholwa yimi kakholwa yimi kepha ngongithumileyo.

[45] Obona mina ubona ongithumileyo.

[46]Ngize ezweni ngingukukhanya ukuba yilowo nalowo okholwa yimi angahlali ebumnyameni.

[47] Uma umuntu ezwa amazwi ami engawalondi, lowo angimahluleli mina, ngokuba angizanga ukuba ngahlulele izwe, kepha ukuba ngisindise izwe.

[48] Quem me rejeita e não recebe as minhas palavras tem quem o julgue; a própria palavra que tenho proferido, essa o julgará no último dia.

[49] Porque eu não tenho falado por mim mesmo, mas o Pai, que me enviou, esse me tem prescrito o que dizer e o que anunciar.

[50] E sei que o seu mandamento é a vida eterna. As coisas, pois, que eu falo, como o Pai mo tem dito, assim falo.

[48] Ongalayo engawamukeli amazwi ami unomahlulelayo; izwi engalikhulumayo yilona eliyakumahlulela ngosuku lokugcina.

[49]Ngokuba mina angikhulumanga ngokwami, kodwa uBaba ongithumileyo nguye onginike umyalo wokuba ngizakuthini, ngikhulumeni.

[50] Ngiyazi ukuthi umyalo wakhe ungukuphila okuphakade. Ngakho-ke lokho engikukhulumayo ngikukhuluma njengalokho uBaba angitshela khona.

João 13

Jesus lava os pés aos discípulos

[1] Ora, antes da Festa da Páscoa, sabendo Jesus que era chegada a sua hora de passar deste mundo para o Pai, tendo amado os seus que estavam no mundo, amou-os até ao fim.

[2] Durante a ceia, tendo já o diabo posto no coração de Judas Iscariotes, filho de Simão, que traísse a Jesus,

[3] sabendo este que o Pai tudo confiara às suas mãos, e que ele viera de Deus, e voltava para Deus,

[4] levantou-se da ceia, tirou a vestimenta de cima e, tomando uma toalha, cingiu-se com ela.

[5] Depois, deitou água na bacia e passou a lavar os pés aos discípulos e a enxugar-lhos com a toalha com que estava cingido.

NgokukaJohane 13

Isidlo sokugcina sikaJesu nabafundi bakhe

[1] Kwathi ngaphambi komkhosi wePhasika uJesu azi ukuthi isikhathi sakhe sesifikile ukuba amuke kuleli zwe, aye kuYise, ebathandile abakhe abasezweni wabathanda kwaze kwaba sekupheleni.

[2] Sekudliwa, uSathane esekufake enhliziyweni kaJuda Iskariyothe kaSimoni ukuba amkhaphele,

[3] uJesu ekwazi ukuthi uYise unikele konke ezandleni zakhe nokuthi wavela kuNkulunkulu, futhi ubuyela kuNkulunkulu,

[4] wasuka ekudleni, wabeka izingubo zakhe, wathabatha indwangu, wakhwica.

[5]Emva kwalokho wathela amanzi emcengezini, waqala ukugeza izinyawo zabafundi, wazesula ngendwangu abekhwice ngayo.

[6] Aproximou-se, pois, de Simão Pedro, e este lhe disse: SENHOR, tu me lavas os pés a mim?

[7] Respondeu-lhe Jesus: O que eu faço não o sabes agora; compreendê-lo-ás depois.

[8] Disse-lhe Pedro: Nunca me lavarás os pés. Respondeu-lhe Jesus: Se eu não te lavar, não tens parte comigo.

[9] Então, Pedro lhe pediu: SENHOR, não somente os pés, mas também as mãos e a cabeça.

[10] Declarou-lhe Jesus: Quem já se banhou não necessita de lavar senão os pés; quanto ao mais, está todo limpo. Ora, vós estais limpos, mas não todos.

[11] Pois ele sabia quem era o traidor. Foi por isso que disse: Nem todos estais limpos.

Uma lição de humildade

[12] Depois de lhes ter lavado os pés, tomou as vestes e, voltando à mesa, perguntou-lhes: Compreendeis o que vos fiz?

[13] Vós me chamais o Mestre e o SENHOR e dizeis bem; porque eu o sou.

[14] Ora, se eu, sendo o SENHOR e o Mestre, vos lavei os pés, também vós deveis lavar os pés uns dos outros.

[15] Porque eu vos dei o exemplo, para que, como eu vos fiz, façais vós também.

[16] Em verdade, em verdade vos digo que o servo não é maior do que seu senhor, nem o enviado, maior do que aquele que o enviou.

[6]Wafika-ke kuSimoni Petru. Wathi kuye: Nkosi, wena ugeza izinyawo zami na?

[7]UJesu waphendula, wathi kuye: Lokhu engikwenzayo awukwazi manje, kodwa uzakukuqonda emva kwalokhu.

[8]UPetru wathi kuye: Awusoze wageza izinyawo zami naphakade. UJesu waphendula wathi: Uma ngingakugezi, awunasabelo nami.

[9]USimoni Petru wathi kuye: Nkosi, akungabi yizinyawo zodwa kepha nezandla nekhanda.

[10] UJesu wathi kuye: Ogeziweyo kadingi lutho, kuphela ukugezwa izinyawo, kepha ugezekile wonke. Nina-ke nigezekile, kodwa angisho nonke.

[11] Ngokuba emazi obezakumkhaphela kungalokho athi: Anigezekile nonke.

[12]Esegeze izinyawo zabo wathabatha izingubo zakhe, wabuye wahlala, wathi kubo: Niyakwazi yini engikwenzile kini na?

[13] Ngingibiza nithi: Mfundisi, Nkosi; nisho kahle, ngokuba ngiyikho.

[14] Uma-ke mina, iNkosi noMfundisi, ngigeze izinyawo zenu, nani-ke nifanele ukugezana izinyawo.

[15] Ngokuba ngininikile isibonelo ukuba nenze nani njengokuba ngenzile kini.

[16] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Inceku ayinkulu kunenkosi yayo, nothunyiweyo kamkhulu kunomthumileyo.

[17] Ora, se sabeis estas coisas, bem-aventurados sois se as praticardes.

[18] Não falo a respeito de todos vós, pois eu conheço aqueles que escolhi; é, antes, para que se cumpra a Escritura: Aquele que come do meu pão levantou contra mim seu calcanhar.

[19] Desde já vos digo, antes que aconteça, para que, quando acontecer, creiais que EU SOU.

[20] Em verdade, em verdade vos digo: quem recebe aquele que eu enviar, a mim me recebe; e quem me recebe recebe aquele que me enviou.

O traidor indicado

[21] Ditas estas coisas, angustiou-se Jesus em espírito e afirmou: Em verdade, em verdade vos digo que um dentre vós me trairá.

[22] Então, os discípulos olharam uns para os outros, sem saber a quem ele se referia.

[23] Ora, ali estava conchegado a Jesus um dos seus discípulos, aquele a quem ele amava;

[24] a esse fez Simão Pedro sinal, dizendo-lhe: Pergunta a quem ele se refere.

[25] Então, aquele discípulo, reclinando-se sobre o peito de Jesus, perguntou-lhe: SENHOR, quem é?

[26] Respondeu Jesus: É aquele a quem eu der o pedaço de pão molhado. Tomou, pois, um pedaço de pão e, tendo-o molhado, deu-o a Judas, filho de Simão Iscariotes.

[17]Uma nazi lokho, nibusisiwe uma nikwenza.

[18] Angikhulumi ngani nonke; ngiyabazi engibakhethileyo; kodwa nga kugcwaliseka umbhalo othi: Odla isinkwa sami ungiphakamisele isithende sakhe.

[19] Kusukela manje ngiyanitshela kungakenzeki ukuba, nxa sekwenzeka, nikholwe ukuthi nginguye.

[20] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Owamukela engimthumayo wamukela mina; ongamukelayo mina wamukela ongithumileyo.

UJesu ukhuluma ngokukhashelwa kwakhe

(Math. 26:20; Mark. 14:17; Luk. 22:7)

[21] UJesu eseshilo lokho wakhathazeka emoyeni, wafakaza wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Omunye wenu uyakungikhaphela.

[22]Abafundi babhekana bengabaza ukuthi ukhuluma ngobani.

[23]Kwakuhlezi ekudleni omunye wabafundi bakhe uJesu amthandayo, encike esifubeni sikaJesu.

[24]USimoni Petru wayesemqhweba ethi: Yisho ukuthi ubekhuluma ngobani na?

[25]Yena encike esifubeni sikaJesu wathi kuye: Nkosi, ngubani na?

[26]Ngakho waphendula uJesu, wathi: Yilowo engiyakumcwilisela ucezu, ngimnike lona. Eselucwilisile-ke ucezu, walunika uJuda Iskariyothe.

[27] E, após o bocado, imediatamente, entrou nele Satanás. Então, disse Jesus: O que pretendes fazer, faze-o depressa.

[28] Nenhum, porém, dos que estavam à mesa percebeu a que fim lhe dissera isto.

[29] Pois, como Judas era quem trazia a bolsa, pensaram alguns que Jesus lhe dissera: Compra o que precisamos para a festa ou lhe ordenara que desse alguma coisa aos pobres.

[30] Ele, tendo recebido o bocado, saiu logo. E era noite.

O novo mandamento

[31] Quando ele saiu, disse Jesus: Agora, foi glorificado o Filho do Homem, e Deus foi glorificado nele;

[32] se Deus foi glorificado nele, também Deus o glorificará nele mesmo; e glorificá-lo-á imediatamente.

[33] Filhinhos, ainda por um pouco estou convosco; buscar-me-eis, e o que eu disse aos judeus também agora vos digo a vós outros: para onde eu vou, vós não podeis ir.

[34] Novo mandamento vos dou: que vos ameis uns aos outros; assim como eu vos amei, que também vos ameis uns aos outros.

[35] Nisto conhecerão todos que sois meus discípulos: se tiverdes amor uns aos outros.

Pedro é avisado

Mateus 26.31-35; Marcos 14.27-31; Lucas 22.31-34

[27]Emva kocezu uSathane wayesengena kuye. Wayesethi kuye uJesu: Okwenzayo kwenze masinyane.

[28]Kepha akabakho kwababehlezi ekudleni owayekwazi lokho ukuthi ukusho ngani kuye.

[29] Kepha abanye bacabanga ukuthi, ngokuba uJuda ephethe isikhwama, uJesu uthi kuye: Thenga esikuswele emkhosini, noma ukuthi kabele abampofu okuthile.

[30]Kuthe eseluthathile ucezu waphuma masinyane; kwakuse busuku.

Ukukhazimuliswa kukaJesu; umyalo wokuthandana; uJesu uthi uzophikwa nguPetru

[31] Ngakho esephumile, uJesu wathi: Kalokhu iNdodana yomuntu ikhazimulisiwe, noNkulunkulu ukhazimulisiwe kuyo.

[32]Uma uNkulunkulu ekhazimulisiwe kuyo, noNkulunkulu uyakuyikhazimulisa kuye, uyakuyikhazimulisa masinyane.

[33] Bantwanyana, ngise khona nani isikhashana. Niyakungifuna, nanjengalokho ngasho kubaJuda ukuthi lapho ngiya khona ningeze nina, ngisho nakinina manje.

[34] Ngininika umyalo omusha wokuba nithandane; njengalokhu nginithandile, nani nithandane.

[35]Ngalokho bonke bayakukwazi ukuthi ningabafundi bami, uma nithandana.

[36] Perguntou-lhe Simão Pedro: SENHOR, para onde vais? Respondeu Jesus: Para onde vou, não me podes seguir agora; mais tarde, porém, me seguirás.

[37] Replicou Pedro: SENHOR, por que não posso seguir-te agora? Por ti darei a própria vida.

[38] Respondeu Jesus: Darás a vida por mim? Em verdade, em verdade te digo que jamais cantará o galo antes que me negues três vezes.

[36] USimoni Petru wathi kuye: Nkosi, uya ngaphi na? UJesu waphendula wathi: Lapho ngiya khona, ungengilandele kalokhu; kepha uyakungilandela kamuva.

[37] Wathi kuye uPetru: Nkosi, ngingekulandele kalokhu ngani na? Ngizakudela ukuphila kwami ngenxa yakho.

[38]UJesu waphendula wathi: Uzakudela ukuphila kwakho ngenxa yami na? Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Iqhude alizukukhala, ungakangiphiki kathathu.

João 14

Jesus conforta os discípulos

[1] Não se turbe o vosso coração; credes em Deus, crede também em mim.

[2] Na casa de meu Pai há muitas moradas. Se assim não fora, eu vo-lo teria dito. Pois vou preparar-vos lugar.

[3] E, quando eu for e vos preparar lugar, voltarei e vos receberei para mim mesmo, para que, onde eu estou, estejais vós também.

[4] E vós sabeis o caminho para onde eu vou.

[5] Disse-lhe Tomé: SENHOR, não sabemos para onde vais; como saber o caminho?

[6] Respondeu-lhe Jesus: Eu sou o caminho, e a verdade, e a vida; ninguém vem ao Pai senão por mim.

[7] Se vós me tivésseis conhecido, conheceríeis também a meu Pai. Desde agora o conheceis e o tendes visto.

NgokukaJohane 14

Inkulumo yokuvalelisa kukaJesu

[1] Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi.

[2] Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo.

[3]Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.

[4]Nalapho ngiya khona niyayazi indlela.

[5]UTomase wathi kuye: Nkosi, asazi lapho uya khona; siyazi kanjani indlela na?

[6] UJesu wathi kuye: Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami.

[7]Uma beningazi mina, beniyakumazi noBaba; kusukela manje niyamazi, nimbonile.

[8] Replicou-lhe Filipe: SENHOR, mostra-nos o Pai, e isso nos basta.
[9] Disse-lhe Jesus: Filipe, há tanto tempo estou convosco, e não me tens conhecido? Quem me vê a mim vê o Pai; como dizes tu: Mostra-nos o Pai?

[10] Não crês que eu estou no Pai e que o Pai está em mim? As palavras que eu vos digo não as digo por mim mesmo; mas o Pai, que permanece em mim, faz as suas obras.

[11] Crede-me que estou no Pai, e o Pai, em mim; crede ao menos por causa das mesmas obras.
[12] Em verdade, em verdade vos digo que aquele que crê em mim fará também as obras que eu faço e outras maiores fará, porque eu vou para junto do Pai.
[13] E tudo quanto pedirdes em meu nome, isso farei, a fim de que o Pai seja glorificado no Filho.
[14] Se me pedirdes alguma coisa em meu nome, eu o farei.
[15] Se me amais, guardareis os meus mandamentos.

Jesus promete outro Consolador

[16] E eu rogarei ao Pai, e ele vos dará outro Consolador, a fim de que esteja para sempre convosco,
[17] o Espírito da verdade, que o mundo não pode receber, porque não o vê, nem o conhece; vós o conheceis, porque ele habita convosco e estará em vós.
[18] Não vos deixarei órfãos, voltarei para vós outros.

[8]UFiliphu wathi kuye: Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele.
[9] UJesu wathi kuye: Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na? Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: Sikhombise uYihlo, na?
[10] Awukholwa ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi, na? Amazwi engiwakhulumayo mina kini angiwakhulumi ngokwami; kepha uBaba ohlezi kimi wenza imisebenzi yakhe.
[11] Kholwani yimi ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi; uma kungenjalo, kholwani ngenxa yale misebenzi.
[12] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza, nemikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba mina ngiya kuBaba.
[13] Noma yini eniyakukucela egameni lami ngiyakukwenza ukuba uBaba akhazimuliswe eNdodaneni.
[14]Uma nicela utho kimi egameni lami, ngolwenza.
[15] Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yami.

[16] Ngiyakucela kuBaba aniphe omunye uMduduzi wokuba ahlale kini phakade,

[17]uMoya weqiniso, izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, lingamazi; nina niyamazi yena, ngokuba uhlala nani, uyakuba kini.
[18]Angiyikunishiya niyizintandane; ngiyeza kini.

[19] Ainda por um pouco, e o mundo não me verá mais; vós, porém, me vereis; porque eu vivo, vós também vivereis.

[20] Naquele dia, vós conhecereis que eu estou em meu Pai, e vós, em mim, e eu, em vós.

[21] Aquele que tem os meus mandamentos e os guarda, esse é o que me ama; e aquele que me ama será amado por meu Pai, e eu também o amarei e me manifestarei a ele.

[22] Disse-lhe Judas, não o Iscariotes: Donde procede, SENHOR, que estás para manifestar-te a nós e não ao mundo?

[23] Respondeu Jesus: Se alguém me ama, guardará a minha palavra; e meu Pai o amará, e viremos para ele e faremos nele morada.

[24] Quem não me ama não guarda as minhas palavras; e a palavra que estais ouvindo não é minha, mas do Pai, que me enviou.

[25] Isto vos tenho dito, estando ainda convosco;

[26] mas o Consolador, o Espírito Santo, a quem o Pai enviará em meu nome, esse vos ensinará todas as coisas e vos fará lembrar de tudo o que vos tenho dito.

[27] Deixo-vos a paz, a minha paz vos dou; não vo-la dou como a dá o mundo. Não se turbe o vosso coração, nem se atemorize.

[28] Ouvistes que eu vos disse: vou e volto para junto de vós. Se me amásseis, alegrar-

[19] Kuseyisikhashana izwe lingasangiboni, kepha niyangibona nina, ngokuba ngiphila mina, nani nizakuphila.

[20] Ngalolo suku niyakukwazi nina ukuba ngikuBaba, nani nikimi, nami ngikini.

[21]Onemiyalo yami ayigcine, nguyena ongithandayo; ongithandayo uyakuthandwa nguBaba, nami ngiyakumthanda, ngizibonakalise kuye.

[22]UJuda, ongesiye u-Iskariyothe, wathi kuye: Nkosi, kwenziwa yini ukuba uyakuzibonakalisa kithina, ungazibonakalisi kulo izwe, na?

[23] UJesu waphendula, wathi kuye: Uma umuntu engithanda, uyakugcina izwi lami; uBaba uyakumthanda; siyakuza kuye, sihlale naye.

[24] Ongangithandiyo kagcini amazwi ami, nezwi enilizwayo akusilo elami kepha ngelikaBaba ongithumileyo.

[25] Ngikhulume lokho kini ngisahlezi nani.

[26] Kepha uMduduzi, uMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshele khona.

[27] Ukuthula ngikushiya kinina, ukuthula kwami nginipha khona. Akunjengokupha kwezwe ukunipha kwami. Inhliziyo yenu mayingakhathazeki, ingesabi.

[28] Nizwile ukuthi nganitshela ngathi: Ngiyamuka, kepha ngiyabuyela kini. Uma beningithanda, beniyakujabula, ngokuba

vos-íeis de que eu vá para o Pai, pois o Pai é maior do que eu.

29 Disse-vos agora, antes que aconteça, para que, quando acontecer, vós creiais.

30 Já não falarei muito convosco, porque aí vem o príncipe do mundo; e ele nada tem em mim;

31 contudo, assim procedo para que o mundo saiba que eu amo o Pai e que faço como o Pai me ordenou. Levantai-vos, vamo-nos daqui.

João 15

A videira e os ramos

1 Eu sou a videira verdadeira, e meu Pai é o agricultor.

2 Todo ramo que, estando em mim, não der fruto, ele o corta; e todo o que dá fruto limpa, para que produza mais fruto ainda.

3 Vós já estais limpos pela palavra que vos tenho falado;

4 permanecei em mim, e eu permanecerei em vós. Como não pode o ramo produzir fruto de si mesmo, se não permanecer na videira, assim, nem vós o podeis dar, se não permanecerdes em mim.

5 Eu sou a videira, vós, os ramos. Quem permanece em mim, e eu, nele, esse dá muito fruto; porque sem mim nada podeis fazer.

6 Se alguém não permanecer em mim, será lançado fora, à semelhança do ramo, e secará; e o apanham, lançam no fogo e o queimam.

ngiya kuBaba, lokhu uBaba mkhulu kunami.

29 Manje senginitshelile kungakenzeki, ukuze nikholwe, nxa sekwenzekile.

30 Angisayikukhuluma okuningi nani, ngokuba uyeza umbusi wezwe, kepha akanalutho kimi,

31 kodwa kungukuba izwe lazi ukuthi ngiyamthanda uBaba nokuthi ngenza njengokuba uBaba engiyalile. Sukumani simuke lapha.

NgokukaJohane 15

Umvini namagatsha

1 Mina ngingumvini owonawona, uBaba ungumlimi.

2 Yilelo nalelo gatsha elikimi, elingatheli izithelo, uyalisusa. Yilelo nalelo elithela izithelo uyalihlunga ukuba lithele kakhulu.

3 Nina senihlanzekile ngezwi engilikhulume kinina.

4 Hlalani kimi, nami kini. Njengalokhu igatsha lingethele izithelo ngokwalo, kuphela uma lihlala emvinini, kunjalo nani, kuphela uma nihlala kimi.

5 Mina ngingumvini, nina ningamagatsha; ohlala kimi, nami kuye, lowo uthela izithelo eziningi; ngokuba ngaphandle kwami ningenze lutho.

6 Uma umuntu engahlali kimi, ulahlwa ngaphandle njengegatsha, abune; bawabuthe, bawaphonse emlilweni, ashe.

[7] Se permanecerdes em mim, e as minhas palavras permanecerem em vós, pedireis o que quiserdes, e vos será feito.

[8] Nisto é glorificado meu Pai, em que deis muito fruto; e assim vos tornareis meus discípulos.

[9] Como o Pai me amou, também eu vos amei; permanecei no meu amor.

[10] Se guardardes os meus mandamentos, permanecereis no meu amor; assim como também eu tenho guardado os mandamentos de meu Pai e no seu amor permaneço.

[11] Tenho-vos dito estas coisas para que o meu gozo esteja em vós, e o vosso gozo seja completo.

[12] O meu mandamento é este: que vos ameis uns aos outros, assim como eu vos amei.

[13] Ninguém tem maior amor do que este: de dar alguém a própria vida em favor dos seus amigos.

[14] Vós sois meus amigos, se fazeis o que eu vos mando.

[15] Já não vos chamo servos, porque o servo não sabe o que faz o seu senhor; mas tenho-vos chamado amigos, porque tudo quanto ouvi de meu Pai vos tenho dado a conhecer.

[16] Não fostes vós que me escolhestes a mim; pelo contrário, eu vos escolhi a vós outros e vos designei para que vades e deis fruto, e o vosso fruto permaneça; a fim de que tudo quanto pedirdes ao Pai em meu nome, ele vo-lo conceda.

[7] Uma nihlala kimi, namazwi ami ehlala kini, niyakucela enikuthandayo, nikwenzelwe.

[8]UBaba uyakhazimuliswa ngalokhu ukuba nithele izithelo eziningi, nibe ngabafundi bami.

[9] Njengalokho uBaba engithandile, nami nginithandile; hlalani othandweni lwami.

[10] Uma nigcina imiyalo yami, niyakuhlala othandweni lwami, njengalokho mina ngigcinile imiyalo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe.

[11] Nginitshelile lokho ukuba ukuthokoza kwami kube kini, nokuthokoza kwenu kugcwale.

Umyalo wokuthandana

[12] Yilo umyalo wami wokuba nithandane, njengalokho nginithandile.

[13] Akakho onothando olukhulu kunalolo lokuba adele ukuphila kwakhe ngenxa yabahlobo bakhe.

[14] Ningabahlobo bami, uma nenza lokhu enginiyala ngakho.

[15]Angisasho ukuthi niyizinceku, ngokuba inceku ayikwazi ukuthi inkosi yayo yenzani, kepha ngithe ningabahlobo nina, ngokuba konke engikuzwile kuBaba nginazisile khona.

[16] Aningikhethanga nina, kodwa mina nginikhethile nina, nganibeka ukuba niphume, nithele izithelo, nezithelo zenu zihlale ukuba noma yini eniyakukucela kuBaba egameni lami aninike khona.

[17] Isto vos mando: que vos ameis uns aos outros.

[18] Se o mundo vos odeia, sabei que, primeiro do que a vós outros, me odiou a mim.

[19] Se vós fôsseis do mundo, o mundo amaria o que era seu; como, todavia, não sois do mundo, pelo contrário, dele vos escolhi, por isso, o mundo vos odeia.

[20] Lembrai-vos da palavra que eu vos disse: não é o servo maior do que seu senhor. Se me perseguiram a mim, também perseguirão a vós outros; se guardaram a minha palavra, também guardarão a vossa.

[21] Tudo isto, porém, vos farão por causa do meu nome, porquanto não conhecem aquele que me enviou.

[22] Se eu não viera, nem lhes houvera falado, pecado não teriam; mas, agora, não têm desculpa do seu pecado.

[23] Quem me odeia odeia também a meu Pai.

[24] Se eu não tivesse feito entre eles tais obras, quais nenhum outro fez, pecado não teriam; mas, agora, não somente têm eles visto, mas também odiado, tanto a mim como a meu Pai.

[25] Isto, porém, é para que se cumpra a palavra escrita na sua lei: Odiaram-me sem motivo.

[26] Quando, porém, vier o Consolador, que eu vos enviarei da parte do Pai, o Espírito da verdade, que dele procede, esse dará testemunho de mim;

[17]Nginiyala ngalezo zinto, ukuze nithandane.

Inzondo yezwe

[18] Uma izwe linizonda, niyazi ukuthi langizonda mina ngaphambi kwenu.

[19] Uma beningabezwe, izwe belizakuthanda okwalo, kepha lokhu ningesibo abezwe kodwa nganikhetha mina ezweni, kungalokho izwe linizonda.

[20] Khumbulani izwi enganitshela lona mina lokuthi: Inceku ayinkulu kunenkosi yayo. Uma bengizingele mina, nani bayakunizingela; uma begcina izwi lami, nelenu bayakuligcina.

[21]Kepha konke lokho bayakukwenza kini ngenxa yegama lami, ngokuba bengamazi ongithumileyo.

[22] Uma bengingafikile, ngakhuluma kubo, ngabe abanasono; kepha kalokhu kabanazaba ngesono sabo.

[23] Ozonda mina uzonda noBaba.

[24] Uma bengingenzanga phakathi kwabo imisebenzi engenziwanga ngomunye, ngabe abanasono, kepha kalokhu babonile, bangizonda nami noBaba.

[25] Kodwa kunjalo ukuba kugcwaliseke izwi elilotshiweyo emthethweni wakubo lokuthi: Bangizonda ngeze.

[26] Nxa esefikile uMduduzi engiyakumthumela kini evela kuBaba, uMoya weqiniso, ophuma kuBaba, nguyena oyakufakaza ngami.

[27] e vós também testemunhareis, porque estais comigo desde o princípio.

João 16

A missão do Consolador

[1] Tenho-vos dito estas coisas para que não vos escandalizeis.

[2] Eles vos expulsarão das sinagogas; mas vem a hora em que todo o que vos matar julgará com isso tributar culto a Deus.

[3] Isto farão porque não conhecem o Pai, nem a mim.

[4] Ora, estas coisas vos tenho dito para que, quando a hora chegar, vos recordeis de que eu vo-las disse. Não vo-las disse desde o princípio, porque eu estava convosco.

[5] Mas, agora, vou para junto daquele que me enviou, e nenhum de vós me pergunta: Para onde vais?

[6] Pelo contrário, porque vos tenho dito estas coisas, a tristeza encheu o vosso coração.

[7] Mas eu vos digo a verdade: convém-vos que eu vá, porque, se eu não for, o Consolador não virá para vós outros; se, porém, eu for, eu vo-lo enviarei.

[8] Quando ele vier, convencerá o mundo do pecado, da justiça e do juízo:

[9] do pecado, porque não crêem em mim;

[10] da justiça, porque vou para o Pai, e não me vereis mais;

[27]Nani niyafakaza, ngokuba beninami kwasekuqaleni.

NgokukaJohane 16

Isigcino senkulumo kaJesu. Ukuhlupheka okuzayo

[1] Lokho ngikukhulume kini ukuba ningakhubeki.

[2] Bayakunikhipha emasinagogeni, yebo, siyeza isikhathi sokuba lowo onibulalayo uyakuthi ukhonza uNkulunkulu.

[3] Lokhu-ke bayakukwenza ngokuba bengamazanga uBaba nami;

[4] kepha lokho ngikukhulume kini, ukuze kuthi, nxa kufika leso sikhathi, nikhumbule ukuthi nganitshela khona; anginitshelanga lokho kwasekuqaleni, ngokuba benginani.

Umsebenzi kaMoya oNgcwele

[5] Manje ngiyamuka, ngiya kongithumileyo; akakho kinina ongibuza ukuthi: Uya ngaphi na?

[6]Kepha ngokuba ngikhulume lokho kini, inhliziyo yenu igcwele usizi.

[7] Kodwa mina nginitshela iqiniso lokuthi kunilungele ukuba ngimuke; ngokuba uma ngingamuki, uMduduzi kayikuza kini; kepha uma ngimuka, ngiyakumthumela kini.

[8]Lapho esefikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela:

[9]ngesono, ngokuba bengakholwa yimi;

[10]ngokulunga, ngokuba ngiya kuBaba, ningabe nisangibona;

[11] do juízo, porque o príncipe deste mundo já está julgado.

[12] Tenho ainda muito que vos dizer, mas vós não o podeis suportar agora;

[13] quando vier, porém, o Espírito da verdade, ele vos guiará a toda a verdade; porque não falará por si mesmo, mas dirá tudo o que tiver ouvido e vos anunciará as coisas que hão de vir.

[14] Ele me glorificará, porque há de receber do que é meu e vo-lo há de anunciar.

[15] Tudo quanto o Pai tem é meu; por isso é que vos disse que há de receber do que é meu e vo-lo há de anunciar.

[16] Um pouco, e não mais me vereis; outra vez um pouco, e ver-me-eis.

[17] Então, alguns dos seus discípulos disseram uns aos outros: Que vem a ser isto que nos diz: Um pouco, e não mais me vereis, e outra vez um pouco, e ver-me-eis; e: Vou para o Pai?

[18] Diziam, pois: Que vem a ser esse – um pouco? Não compreendemos o que quer dizer.

[19] Percebendo Jesus que desejavam interrogá-lo, perguntou-lhes: Indagais entre vós a respeito disto que vos disse: Um pouco, e não me vereis, e outra vez um pouco, e ver-me-eis?

[20] Em verdade, em verdade eu vos digo que chorareis e vos lamentareis, e o

[11]ngokwahlulela, ngokuba umbusi waleli zwe wahlulelwe.

[12] Ngise nokuningi okokunitshela, kodwa ningekuthwale manje.

[13] Kepha nxa esefikile yena, uMoya weqiniso, uzakuniholela kulo lonke iqiniso; ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe, kodwa lokho akuzwayo uyakukukhuluma, anibikele okuzayo.

[14]Uyakungikhazimulisa, ngokuba uyakuthatha kokwami anibikele khona.

[15] Konke uBaba anakho kungokwami; ngalokho-ke ngithe uyakuthatha kokwami, anibikele.

Ukumuka nokubuya kukaJesu

[16] Kusezakuba yisikhashana ningabe nisangibona, kubuye kube yisikhashana ningibone, ngokuba ngiya kuBaba.

[17] Ngakho abanye kubo abafundi bakhe base bekhuluma bodwa, bethi: Kuyini lokho akushoyo kithi ukuthi: Kusezakuba yisikhashana ningabe nisangibona, kubuye kube yisikhashana ningibone, nokuthi: Ngokuba ngiya kuBaba, na?

[18]Bathi: Kuyini lokho akushoyo ukuthi: Yisikhashana, na? Asazi ukuba uthini.

[19]UJesu wazi ukuthi bebethanda ukumbuza, wathi kubo: Niyabuzana ngalokho engikushiloyo ukuthi: Kusezakuba yisikhashana ningabe nisangibona kubuye kube yisikhashana ningibone, na?

[20] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Niyakukhala nilile nina, kepha izwe liyakujabula; niyakuba lusizi nina, kepha

mundo se alegrará; vós ficareis tristes, mas a vossa tristeza se converterá em alegria.

21 A mulher, quando está para dar à luz, tem tristeza, porque a sua hora é chegada; mas, depois de nascido o menino, já não se lembra da aflição, pelo prazer que tem de ter nascido ao mundo um homem.

22 Assim também agora vós tendes tristeza; mas outra vez vos verei; o vosso coração se alegrará, e a vossa alegria ninguém poderá tirar.

23 Naquele dia, nada me perguntareis. Em verdade, em verdade vos digo: se pedirdes alguma coisa ao Pai, ele vo-la concederá em meu nome.

24 Até agora nada tendes pedido em meu nome; pedi e recebereis, para que a vossa alegria seja completa.

Palavras de despedida

25 Estas coisas vos tenho dito por meio de figuras; vem a hora em que não vos falarei por meio de comparações, mas vos falarei claramente a respeito do Pai.

26 Naquele dia, pedireis em meu nome; e não vos digo que rogarei ao Pai por vós.

27 Porque o próprio Pai vos ama, visto que me tendes amado e tendes crido que eu vim da parte de Deus.

28 Vim do Pai e entrei no mundo; todavia, deixo o mundo e vou para o Pai.

29 Disseram os seus discípulos: Agora é que falas claramente e não empregas nenhuma figura.

usizi lwenu luyakuphendulwa lube ngukuthokoza.

21Owesifazane, nxa esabeletha, ulusizi, ngokuba sifikile isikhathi sakhe; kepha nxa esembelethile umntwana, akabe esakhumbula ubuhlungu ngenxa yentokozo yokuba kuzelwe umuntu ezweni.

22 Nani-ke nilusizi manje, kepha ngiyakubuye nginibone, inhliziyo yenu ithokoze; intokozo yenu akakho onganamuka yona.

23 Ngalolo suku aniyikubuza lutho kimi. Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Lokhu eniyakukucela kuBaba egameni lami uyakuninika khona.

24 Kuze kube kalokhu anicelanga lutho egameni lami. Celani, niyakwamukeliswa ukuba intokozo yenu igcwale.

25 Ngikhulume lokho kini ngemifanekiso; isikhathi siyeza, lapho ngingasayikukhuluma ngemifanekiso; kodwa ngiyakunitshela ngoBaba ngokusobala.

26Ngalelo langa niyakucela egameni lami; angisho kini ukuthi ngiyakunicelela mina kuBaba;

27 ngokuba uBaba uqobo uyanithanda, ngokuba ningithandile nina, nakholwa ukuthi mina ngavela kuNkulunkulu.

28Ngavela kuBaba, ngeza ezweni; ngiyalishiya futhi izwe, ngibuyela kuBaba.

29Abafundi bakhe bathi kuye: Bheka, manje usukhuluma ngokusobala, awusakhulumi mfanekiso.

[30] Agora, vemos que sabes todas as coisas e não precisas de que alguém te pergunte; por isso, cremos que, de fato, vieste de Deus.

[31] Respondeu-lhes Jesus: Credes agora?

[32] Eis que vem a hora e já é chegada, em que sereis dispersos, cada um para sua casa, e me deixareis só; contudo, não estou só, porque o Pai está comigo.

[33] Estas coisas vos tenho dito para que tenhais paz em mim. No mundo, passais por aflições; mas tende bom ânimo; eu venci o mundo.

João 17

A oração sacerdotal de Jesus

[1] Tendo Jesus falado estas coisas, levantou os olhos ao céu e disse: Pai, é chegada a hora; glorifica a teu Filho, para que o Filho te glorifique a ti,

[2] assim como lhe conferiste autoridade sobre toda a carne, a fim de que ele conceda a vida eterna a todos os que lhe deste.

[3] E a vida eterna é esta: que te conheçam a ti, o único Deus verdadeiro, e a Jesus Cristo, a quem enviaste.

[4] Eu te glorifiquei na terra, consumando a obra que me confiaste para fazer;

[30] Kalokhu siyazi ukuthi wazi konke, awudingi ukuba umuntu akubuze; ngalokho siyakholwa ukuba wavela kuNkulunkulu.

[31]UJesu waphendula wathi: Seniyakholwa manje na?

[32] Bhekani, isikhathi siyeza, yebo, sesifikile sokuba nihlakazeke, yilowo nalowo aye kokwakhe, ningishiye ngingedwa; nokho angingedwa, lokhu uBaba unami.

[33] Lokho ngikukhulume kini ukuba nibe nokuthula kimi. Ezweni niyakuba lusizi, kepha yimani isibindi, mina ngilinqobile izwe.

NgokukaJohane 17

Umkhuleko kaJesu ezikhulekela yena, nabafundi bakhe, nabo bonke abakholwayo

[1] UJesu wakhuluma lokho; wayesephakamisela amehlo akhe ezulwini, wathi: Baba, isikhathi sifikile; khazimulisa iNdodana yakho, ukuze iNdodana ikukhazimulise wena,

[2] njengalokho uyiphile amandla phezu kwenyama yonke ukuba bonke oyiphe bona ibaphe ukuphila okuphakade.

[3] Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu.

[4]Ngikukhazimulisile emhlabeni, ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze.

[5] e, agora, glorifica-me, ó Pai, contigo mesmo, com a glória que eu tive junto de ti, antes que houvesse mundo.

[6] Manifestei o teu nome aos homens que me deste do mundo. Eram teus, tu mos confiaste, e eles têm guardado a tua palavra.

[7] Agora, eles reconhecem que todas as coisas que me tens dado provêm de ti;

[8] porque eu lhes tenho transmitido as palavras que me deste, e eles as receberam, e verdadeiramente conheceram que saí de ti, e creram que tu me enviaste.

[9] É por eles que eu rogo; não rogo pelo mundo, mas por aqueles que me deste, porque são teus;

[10] ora, todas as minhas coisas são tuas, e as tuas coisas são minhas; e, neles, eu sou glorificado.

[11] Já não estou no mundo, mas eles continuam no mundo, ao passo que eu vou para junto de ti. Pai santo, guarda-os em teu nome, que me deste, para que eles sejam um, assim como nós.

[12] Quando eu estava com eles, guardava-os no teu nome, que me deste, e protegi-os, e nenhum deles se perdeu, exceto o filho da perdição, para que se cumprisse a Escritura.

[13] Mas, agora, vou para junto de ti e isto falo no mundo para que eles tenham o meu gozo completo em si mesmos.

[5] Manje-ke ngikhazimulise wena Baba, kuwe uqobo, ngenkazimulo ebenginayo ngikuwe, izwe lingakabikho.

[6] Ngibonakalisile igama lakho kubantu ongiphe bona kwabasezweni; babengabakho, wangipha bona; baligcinile izwi lakho.

[7]Sebazi ukuthi konke ongiphe khona kuvela kuwe.

[8] Ngokuba amazwi ongiphe wona ngibaphile wona, bawamukela, bazi isibili ukuthi ngavela kuwe, bakholwa ukuthi wangithuma wena.

[9]Ngiyabakhulekela bona; angikhulekeli izwe kepha labo ongiphe bona, ngokuba bengabakho.

[10] Konke okwami kungokwakho, nokwakho kungokwami; ngikhazimulisiwe kubona.

[11]Angisekho ezweni mina, basezweni bona, mina ngiza kuwe. Baba ongcwele, bagcine egameni lakho labo ongiphe bona, ukuze babe munye njengathi.

[12] Lapho ngise nabo ezweni, ngabagcina egameni lakho labo ongiphe bona, ngabalonda; akakho kubo owalahleka, kuphela indodana yokulahlwa, ukuba kugcwaliseke umbhalo.

[13] Sengiza kuwe kalokhu; ngikhuluma lokhu ezweni ukuba babe nokuthokoza kwami, kugcwale kubo.

[14] Eu lhes tenho dado a tua palavra, e o mundo os odiou, porque eles não são do mundo, como também eu não sou.
[15] Não peço que os tires do mundo, e sim que os guardes do mal.
[16] Eles não são do mundo, como também eu não sou.
[17] Santifica-os na verdade; a tua palavra é a verdade.
[18] Assim como tu me enviaste ao mundo, também eu os enviei ao mundo.
[19] E a favor deles eu me santifico a mim mesmo, para que eles também sejam santificados na verdade.
[20] Não rogo somente por estes, mas também por aqueles que vierem a crer em mim, por intermédio da sua palavra;
[21] a fim de que todos sejam um; e como és tu, ó Pai, em mim e eu em ti, também sejam eles em nós; para que o mundo creia que tu me enviaste.
[22] Eu lhes tenho transmitido a glória que me tens dado, para que sejam um, como nós o somos;
[23] eu neles, e tu em mim, a fim de que sejam aperfeiçoados na unidade, para que o mundo conheça que tu me enviaste e os amaste, como também amaste a mim.
[24] Pai, a minha vontade é que onde eu estou, estejam também comigo os que me deste, para que vejam a minha glória que me conferiste, porque me amaste antes da fundação do mundo.

[14] Mina ngibanikile izwi lakho; izwe labazonda, ngokuba bengesibo abezwe, njengalokhu nami angisiye owezwe.
[15] Angiceli ukuba ubasuse ezweni; kepha ngicela ukuba ubalonde kokubi.
[16]Abasibo abezwe, njengalokhu nami angisiye owezwe.
[17]Bangcwelise ngeqiniso, izwi lakho liyiqiniso.
[18] Njengalokho wangithumela ezweni, nami ngibathumela ezweni.
[19] Ngiyazingcwelisa ngenxa yabo ukuba bangcweliswe nabo ngeqiniso.
[20] Angiceleli laba bodwa kepha nalabo abakholwa yimi ngezwi labo
[21] ukuba bonke babe munye, njengalokhu wena Baba ukimi, nami ngikuwe, ukuba nabo babe kithina, ukuze izwe likholwe ukuthi wena ungithumile.
[22] Nenkazimulo ongiphe yona ngiyiphile bona, ukuze babe munye, njengalokhu thina simunye,
[23] mina kubona, nawe kimina, ukuba bapheleliswe ebunyeni, ukuze izwe lazi ukuba wena ungithumile, wabathanda, njengalokho ungithandile.
[24] Baba, ngithanda ukuba labo ongiphe bona nabo babe khona nami lapha ngikhona, ukuze babone inkazimulo yami ongiphe yona; ngokuba wangithanda, kungakasekelwa izwe.

[25] Pai justo, o mundo não te conheceu; eu, porém, te conheci, e também estes compreenderam que tu me enviaste.
[26] Eu lhes fiz conhecer o teu nome e ainda o farei conhecer, a fim de que o amor com que me amaste esteja neles, e eu neles esteja.

João 18

Jesus no Getsêmani

Mateus 26.47-56; Marcos 14.43-50; Lucas 22.47-53

[1] Tendo Jesus dito estas palavras, saiu juntamente com seus discípulos para o outro lado do ribeiro Cedrom, onde havia um jardim; e aí entrou com eles.

[2] E Judas, o traidor, também conhecia aquele lugar, porque Jesus ali estivera muitas vezes com seus discípulos.
[3] Tendo, pois, Judas recebido a escolta e, dos principais sacerdotes e dos fariseus, alguns guardas, chegou a este lugar com lanternas, tochas e armas.
[4] Sabendo, pois, Jesus todas as coisas que sobre ele haviam de vir, adiantou-se e perguntou-lhes: A quem buscais?

[5] Responderam-lhe: A Jesus, o Nazareno. Então, Jesus lhes disse: Sou eu. Ora, Judas, o traidor, estava também com eles.

[6] Quando, pois, Jesus lhes disse: Sou eu, recuaram e caíram por terra.
[7] Jesus, de novo, lhes perguntou: A quem buscais? Responderam: A Jesus, o Nazareno.

[25] Baba olungileyo, izwe kalikwazanga, kepha mina ngikwazile, nalaba bazile ukuthi ungithumile.

[26] Ngibazisile igama lakho, ngizakubazisa lona ukuba uthando ongithande ngalo lube kubo, nami ngibe kubo.

NgokukaJohane 18

Ukuboshwa kukaJesu

(Math. 26:36, 47; Mark. 14:43-50; Luk. 22:39, 47)

[1] UJesu esekhulume lawo mazwi waphuma kanye nabafundi bakhe, waya phesheya komfudlana iKedroni, lapho kwakukhona insimu angena kuyo yena nabafundi bakhe.

[2]NoJuda owamkhaphelayo wayeyazi leyo ndawo, ngokuba uJesu wayevama ukuhlangana khona nabafundi bakhe.
[3] Khona uJuda, esethole isigaba samabutho nezikhonzi kubapristi abakhulu nabaFarisi, waya lapho, benezihlanti nezibani nezikhali.
[4] Khona uJesu ekwazi konke okuyakumehlela waphuma, wathi kubo: Nifuna ubani na?
[5]Bamphendula bathi: UJesu waseNazaretha. UJesu wathi kubo: Yimina. UJuda omkhaphelayo wayemi nabo.
[6]Kuthe-ke ukuba athi kubo: Yimina, bahlehla nyovane, bawa phansi.

[7]Waphinda wababuza wathi: Nifuna ubani na? Bathi: UJesu waseNazaretha.

[8] Então, lhes disse Jesus: Já vos declarei que sou eu; se é a mim, pois, que buscais, deixai ir estes;

[9] para se cumprir a palavra que dissera: Não perdi nenhum dos que me deste.

[10] Então, Simão Pedro puxou da espada que trazia e feriu o servo do sumo sacerdote, cortando-lhe a orelha direita; e o nome do servo era Malco.

[11] Mas Jesus disse a Pedro: Mete a espada na bainha; não beberei, porventura, o cálice que o Pai me deu?

Jesus perante Anás

[12] Assim, a escolta, o comandante e os guardas dos judeus prenderam Jesus, manietaram-no

[13] e o conduziram primeiramente a Anás; pois era sogro de Caifás, sumo sacerdote naquele ano.

[14] Ora, Caifás era quem havia declarado aos judeus ser conveniente morrer um homem pelo povo.

Pedro nega a Jesus

Mateus 26.69-75; Marcos 14.66-72; Lucas 22.55-62

[15] Simão Pedro e outro discípulo seguiam a Jesus. Sendo este discípulo conhecido do sumo sacerdote, entrou para o pátio deste com Jesus.

[16] Pedro, porém, ficou de fora, junto à porta. Saindo, pois, o outro discípulo, que era conhecido do sumo sacerdote, falou com a encarregada da porta e levou a Pedro para dentro.

[8]UJesu waphendula wathi: Nginitshelile ukuthi yimina; uma-ke nifuna mina, bayekeni laba, bahambe,

[9] ukuba ligcwaliseke izwi alishiloyo lokuthi: Kulabo ongiphe bona angilahlekelwanga namunye.

[10] USimoni Petru enenkemba wayihosha, wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe yokunene. Igama lenceku lalinguMalkusi.

[11]Khona uJesu wathi kuPetru: Faka inkemba emgodleni wayo; angiyikusiphuza kanti isitsha anginike sona uBaba na?

Ukuthethwa kwecala likaJesu

(Math. 26:57; Mark. 14:53; Luk. 22:54)

[12] Njalo-ke isigaba nenduna yenkulungwane nezikhonzi zabaJuda bambamba uJesu, bambopha;

[13]baqala bamyisa ku-Anase, ngokuba engumukhwe kaKayafase obengumpristi omkhulu walowo mnyaka.

[14]UKayafase kambe nguye owaluleka abaJuda ngokuthi kubalungele ukuba kufe umumtu abe munye ngenxa yesizwe.

[15]USimoni Petru walandela uJesu nomunye umfundi. Lowo mfundi wayaziwa ngumpristi omkhulu, wangena noJesu egcekeni lompristi omkhulu;

[16]kepha uPetru wayemi ngaphandle emnyango. Waphuma-ke lowo mfundi omunye owaziwa ngumpristi omkhulu, wakhuluma nomlindikazi womnyango, wamngenisa uPetru.

Ukuphika kukaPetru

(Math. 26:69; Mark. 14:66; Luk. 22:54)

[17] Então, a criada, encarregada da porta, perguntou a Pedro: Não és tu também um dos discípulos deste homem? Não sou, respondeu ele.

[18] Ora, os servos e os guardas estavam ali, tendo acendido um braseiro, por causa do frio, e aquentavam-se. Pedro estava no meio deles, aquentando-se também.

Anás interroga a Jesus

[19] Então, o sumo sacerdote interrogou a Jesus acerca dos seus discípulos e da sua doutrina.

[20] Declarou-lhe Jesus: Eu tenho falado francamente ao mundo; ensinei continuamente tanto nas sinagogas como no templo, onde todos os judeus se reúnem, e nada disse em oculto.

[21] Por que me interrogas? Pergunta aos que ouviram o que lhes falei; bem sabem eles o que eu disse.

[22] Dizendo ele isto, um dos guardas que ali estavam deu uma bofetada em Jesus, dizendo: É assim que falas ao sumo sacerdote?

[23] Replicou-lhe Jesus: Se falei mal, dá testemunho do mal; mas, se falei bem, por que me feres?

[24] Então, Anás o enviou, manietado, à presença de Caifás, o sumo sacerdote.

De novo, Pedro nega a Jesus

[25] Lá estava Simão Pedro, aquentando-se. Perguntaram-lhe, pois: És tu, porventura, um dos discípulos dele? Ele negou e disse: Não sou.

[17] Intombazana elinda emnyango yayisithi kuPetru: Imbala nawe awusiye owabafundi balowo muntu na? Wathi yena: Angisiye.

[18]Kwakumi khona izinceku nezikhonzi zibasile umlilo wamalahle, ngokuba kwakumakhaza, zotha; noPetru wayenazo otha.

[19]Kepha umpristi omkhulu wabuza uJesu ngabafundi bakhe nangemfundiso yakhe.

[20] UJesu wamphendula wathi: Ngikhulumile obala ezweni. Ngezikhathi zonke bengifundisa esinagogeni nasethempelini, lapho abaJuda bonke bebuthana khona, angikhulumanga lutho ngasese.

[21]Ubuzelani kimi na? Buza kulabo abezwile lokho engakukhuluma kubo; bheka, bona bayakwazi engakushoyo.

[22]Esasho lokho, esinye isikhonzi esasimi khona sammukula uJesu, sathi: Uphendula umpristi omkhulu kanjalo na?

[23]UJesu wasiphendula wathi: Uma ngikhulume kabi, fakaza ngalobo bubi; kodwa uma kukuhle, ungishayelani na?

[24]U-Anase wamthumela eboshiwe kuKayafase umpristi omkhulu.

UJesu uphikwa nguPetru ngokwesibili nangokwesithathu

[25] Kepha uSimoni Petru wayemi otha. Bathi-ke kuye: Imbala nawe awusiye owabafundi bakhe na? Waphika yena, wathi: Angisiye.

[26] Um dos servos do sumo sacerdote, parente daquele a quem Pedro tinha decepado a orelha, perguntou: Não te vi eu no jardim com ele?

[27] De novo, Pedro o negou, e, no mesmo instante, cantou o galo.

Jesus perante Pilatos

Mateus 27.1-2; Marcos 15.1; Lucas 23.1

[28] Depois, levaram Jesus da casa de Caifás para o pretório. Era cedo de manhã. Eles não entraram no pretório para não se contaminarem, mas poderem comer a Páscoa.

[29] Então, Pilatos saiu para lhes falar e lhes disse: Que acusação trazeis contra este homem?

[30] Responderam-lhe: Se este não fosse malfeitor, não to entregaríamos.

[31] Replicou-lhes, pois, Pilatos: Tomai-o vós outros e julgai-o segundo a vossa lei. Responderam-lhe os judeus: A nós não nos é lícito matar ninguém;

[32] para que se cumprisse a palavra de Jesus, significando o modo por que havia de morrer.

Pilatos interroga a Jesus

Mateus 27.11-26; Marcos 15.1-15; Lucas 23.1-7,13-25

[33] Tornou Pilatos a entrar no pretório, chamou Jesus e perguntou-lhe: És tu o rei dos judeus?

[34] Respondeu Jesus: Vem de ti mesmo esta pergunta ou to disseram outros a meu respeito?

[26]Enye yezinceku zompristi omkhulu, eyisihlobo salowo ondlebe yaso uPetru abeyinqumile, yathi: Angikubonanga yini mina ensimini unaye na?

[27]Wabuye waphika uPetru; masinyane lakhala iqhude.

UJesu ephambi kukaPilatu

(Math. 27:11; Mark. 15:1; Luk. 23:1)

[28] Base bekhipha uJesu kuKayafase, bemyisa endlini yokwahlulela; kwakusekuseni. Kepha bona kabangenanga enqabeni ukuba bangangcoli kodwa babe nokudla iphasika.

[29]Khona uPilatu waphumela kubo, wathi: Nimthwesa cala lini lo muntu na?

[30]Baphendula, bathi kuye: Uma lona ebengesiye owenza okubi, nga singamlethanga kuwe.

[31] Khona uPilatu wathi kubo: Mthatheni nina, nimahlulele ngomthetho wakini. Bathi kuye abaJuda: Asivunyelwe ukubulala umuntu,

[32] ukuba kugcwaliseke izwi likaJesu alishilo lapha ebonisa ukuthi uyakufa ngokufa okunjani.

[33] UPilatu wabuye wangena enqabeni, wabiza uJesu, wathi kuye: Wena uyinkosi yabaJuda na?

[34]UJesu waphendula wathi: Uzisholo lokhu wena, noma kusho abanye kuwe ngami na?

35 Replicou Pilatos: Porventura, sou judeu? A tua própria gente e os principais sacerdotes é que te entregaram a mim. Que fizeste?
36 Respondeu Jesus: O meu reino não é deste mundo. Se o meu reino fosse deste mundo, os meus ministros se empenhariam por mim, para que não fosse eu entregue aos judeus; mas agora o meu reino não é daqui.
37 Então, lhe disse Pilatos: Logo, tu és rei? Respondeu Jesus: Tu dizes que sou rei. Eu para isso nasci e para isso vim ao mundo, a fim de dar testemunho da verdade. Todo aquele que é da verdade ouve a minha voz.

38 Perguntou-lhe Pilatos: Que é a verdade? Tendo dito isto, voltou aos judeus e lhes disse: Eu não acho nele crime algum.

39 É costume entre vós que eu vos solte alguém por ocasião da Páscoa; quereis, pois, que vos solte o rei dos judeus?
40 Então, gritaram todos, novamente: Não este, mas Barrabás! Ora, Barrabás era salteador.

João 19

1 Então, por isso, Pilatos tomou a Jesus e mandou açoitá-lo.
2 Os soldados, tendo tecido uma coroa de espinhos, puseram-lha na cabeça e vestiram-no com um manto de púrpura.
3 Chegavam-se a ele e diziam: Salve, rei dos judeus! E davam-lhe bofetadas.

35UPilatu waphendula wathi: Kanti ngingumJuda yini mina na? Isizwe sakini nabapristi abakhulu bakunikezele kimi; wenzeni na?
36 UJesu waphendula wathi: Umbuso wami awusiwo owaleli zwe. Uma umbuso wami ubungowaleli zwe, izikhonzi zami zaziyakulwa ukuba nginganikezelwa kubaJuda. Kepha kalokhu umbuso wami awusiwo owalapha.
37 Wayesethi uPilatu kuye: Kanti nokho uyinkosi na? UJesu waphendula wathi: Usho khona. Ngiyinkosi; ngizalelwe lokho, ngafikela lokho ezweni ukuba ngifakazele iqiniso. Bonke abeqiniso bayalizwa izwi lami.
38Wathi uPilatu kuye: Iqiniso liyini na? Eseshilo lokho wabuye waphumela kubaJuda, wathi kubo: Angifumani cala kuye.
39 Kepha ninesiko lokuba nginikhululele omunye ngePhasika; ngakho niyathanda ukuba nginikhululele inkosi yabaJuda na?
40Khona babuye bamemeza bonke, bathi: Qha lona, kodwa uBaraba. Kepha uBaraba wayengumphangi.

NgokukaJohane 19

UJesu ulahlwa yicala

1 UPilatu wayesemthatha uJesu, wamshaya.
2Amabutho aluka umqhele wameva awufaka ekhanda lakhe, amembathisa ingubo ebubende;
3aya kuye, athi: Bayede, nkosi yabaJuda! Ammukula.

[4] Outra vez saiu Pilatos e lhes disse: Eis que eu vo-lo apresento, para que saibais que eu não acho nele crime algum.

[5] Saiu, pois, Jesus trazendo a coroa de espinhos e o manto de púrpura. Disse-lhes Pilatos: Eis o homem!

[6] Ao verem-no, os principais sacerdotes e os seus guardas gritaram: Crucifica-o! Crucifica-o! Disse-lhes Pilatos: Tomai-o vós outros e crucificai-o; porque eu não acho nele crime algum.

[7] Responderam-lhe os judeus: Temos uma lei, e, de conformidade com a lei, ele deve morrer, porque a si mesmo se fez Filho de Deus.

[8] Pilatos, ouvindo tal declaração, ainda mais atemorizado ficou,

[9] e, tornando a entrar no pretório, perguntou a Jesus: Donde és tu? Mas Jesus não lhe deu resposta.

[10] Então, Pilatos o advertiu: Não me respondes? Não sabes que tenho autoridade para te soltar e autoridade para te crucificar?

[11] Respondeu Jesus: Nenhuma autoridade terias sobre mim, se de cima não te fosse dada; por isso, quem me entregou a ti maior pecado tem.

[12] A partir deste momento, Pilatos procurava soltá-lo, mas os judeus clamavam: Se soltas a este, não és amigo de César! Todo aquele que se faz rei é contra César!

[4] UPilatu wabuye waphuma, wathi kubo: Bhekani, ngimkhiphela kini, ukuze nazi ukuba angifumani cala kuye.

[5]Wayesephuma uJesu ethwele umqhele wameva nengubo ebubende. Wathi kubo uPilatu: Bhekani lo muntu!

[6]Bathi bembona abapristi abakhulu nezikhonzi, bamemeza bathi: Mbethele, mbethele esiphambanweni! UPilatu wathi kubo: Mthatheni nina, nimbethele esiphambanweni, ngokuba angifumani cala kuye.

[7] Kepha abaJuda bamphendula bathi: Sinomthetho thina; ngalo mthetho ufanele ukufa, ngokuba ezenzile iNdodana kaNkulunkulu.

[8]Kuthe uPilatu ezwa lelo zwi, kwayikhona esaba kakhulu,

[9]wabuye wangena enqabeni, wathi kuJesu: Ungowaphi wena na? Kepha uJesu kamphendulanga.

[10]Khona wathi uPilatu kuye: Awukhulumi kimi na? Awazi ukuthi nginamandla okukukhulula, nginamandla futhi okukubethela esiphambanweni na?

[11]UJesu waphendula wathi: Ngabe awunamandla neze phezu kwami, ukuba awuwanikwanga ngaphezulu. Ngalokho-ke onginikele kuwe unesono esikhulu.

[12] Ngalokho uPilatu wayefuna ukumkhulula. Kepha abaJuda bamemeza bathi: Uma ukhulula lona, awusiye umhlobo kaKesari; osuka ezenza inkosi, umelene noKesari.

[13] Ouvindo Pilatos estas palavras, trouxe Jesus para fora e sentou-se no tribunal, no lugar chamado Pavimento, no hebraico Gabatá.

[14] E era a parasceve pascal, cerca da hora sexta; e disse aos judeus: Eis aqui o vosso rei.

[15] Eles, porém, clamavam: Fora! Fora! Crucifica-o! Disse-lhes Pilatos: Hei de crucificar o vosso rei? Responderam os principais sacerdotes: Não temos rei, senão César!

[16] Então, Pilatos o entregou para ser crucificado.

A crucificação

Mateus 27.33-44; Marcos 15.22-32; Lucas 23.33-43

[17] Tomaram eles, pois, a Jesus; e ele próprio, carregando a sua cruz, saiu para o lugar chamado Calvário, Gólgota em hebraico,

[18] onde o crucificaram e com ele outros dois, um de cada lado, e Jesus no meio.

[19] Pilatos escreveu também um título e o colocou no cimo da cruz; o que estava escrito era: JESUS NAZARENO, O REI DOS JUDEUS.

[20] Muitos judeus leram este título, porque o lugar em que Jesus fora crucificado era perto da cidade; e estava escrito em hebraico, latim e grego.

[13]Kuthe uPilatu esezwa lawo mazwi wamkhiphela ngaphandle uJesu; wahlala esihlalweni sokwahlulela endaweni ethiwa eGandaywe ngamatshe kodwa ngesiHeberu iGabatha.

[14]Kwakungolokulungisela iPhasika kungathi ihora lesithupha. Wathi kubaJuda: Bhekani inkosi yenu.

[15]Ngakho bamemeza bathi: Susa, susa, mbethele esiphambanweni! Wathi kubo uPilatu: Ngibethele inkosi yenu na? Abapristi abakhulu baphendula bathi: Asinankosi, uKesari kuphela.

[16] Wayesemnikela kubo ukuba abethelwe esiphambanweni.

Ukubethelwa nokufa nokumbelwa kukaJesu

(Math. 27: 33; Mark. 15: 22; Luk. 23: 26)

Bamthatha-ke uJesu, bahamba naye.

[17] Waphuma ezithwalele isiphambano, waya endaweni ethiwa iNdawo Yekhanda, ethiwa ngesiHeberu iGolgotha.

[18]Bambethela khona nabanye ababili kanye naye ngalapha nangalapha, uJesu ephakathi.

[19]Kepha uPilatu waloba isaziso, wasibeka esiphambanweni. Kwakulotshiwe ukuthi: UJESU WASENAZARETHA, INKOSI YABAJUDA.

[20]Khona abaningi babaJuda bafunda leso saziso; ngokuba indawo leyo, lapho uJesu wabethelwa khona esiphambanweni, yayiseduze nomuzi. Kwakulotshiwe ngesiHeberu, nangesiRoma, nangesiGreki.

[21] Os principais sacerdotes diziam a Pilatos: Não escrevas: Rei dos judeus, e sim que ele disse: Sou o rei dos judeus.

[22] Respondeu Pilatos: O que escrevi escrevi.

Os soldados deitam sortes

[23] Os soldados, pois, quando crucificaram Jesus, tomaram-lhe as vestes e fizeram quatro partes, para cada soldado uma parte; e pegaram também a túnica. A túnica, porém, era sem costura, toda tecida de alto a baixo.

[24] Disseram, pois, uns aos outros: Não a rasguemos, mas lancemos sortes sobre ela para ver a quem caberá – para se cumprir a Escritura: Repartiram entre si as minhas vestes e sobre a minha túnica lançaram sortes. Assim, pois, o fizeram os soldados.

[25] E junto à cruz estavam a mãe de Jesus, e a irmã dela, e Maria, mulher de Clopas, e Maria Madalena.

[26] Vendo Jesus sua mãe e junto a ela o discípulo amado, disse: Mulher, eis aí teu filho.

[27] Depois, disse ao discípulo: Eis aí tua mãe. Dessa hora em diante, o discípulo a tomou para casa.

A morte de Jesus

Mateus 27.45-56; Marcos 15.33-41; Lucas 23.44-49

[28] Depois, vendo Jesus que tudo já estava consumado, para se cumprir a Escritura, disse: Tenho sede!

[29] Estava ali um vaso cheio de vinagre. Embeberam de vinagre uma esponja e,

[21]Base bethi abapristi abakhulu babaJuda kuPilatu: Ungalobi ukuthi: Inkosi yabaJuda, kepha ukuba yena wathi: NgiyiNkosi yabaJuda.

[22]UPilatu waphendula wathi: Engikulobile ngikulobile.

[23] Kuthe amabutho esembethele uJesu esiphambanweni, athatha izingubo zakhe, azenza izabelo ezine, kwaba yilelo nalelo butho laba nesabelo, neyembe futhi. Kepha iyembe lalingenamthungo, lalukiwe lonke kusukela phezulu.

[24] Ngakho-ke akhuluma odwa, athi: Asingalidabuli, kodwa asilenzele inkatho yokuthi liyakuba ngelikabani, ukuze kugcwaliseke umbhalo othi: Babelana izingubo zami, benzelana inkatho ngesambatho sami. Lokho-ke akwenza amabutho.

[25] Kepha kwakumi ngasesiphambanweni sikaJesu unina kanye nodadewabo kanina, uMariya umkaKleyophase, noMariya Magdalena.

[26]Kuthe uJesu ebona unina nomfundi amthandayo bemi ngakhona, wathi kunina: Mame, bheka indodana yakho.

[27]Wayesethi kumfundi: Bheka unyoko. Kusukela kuleso sikhathi umfundi lowo wamyisa kwakhe.

[28] Emva kwalokho uJesu, ekwazi ukuthi konke sekuphelelisiwe ukuba umbhalo ugcwaliseke, wathi: Ngomile.

[29] Kwakubekiwe khona isitsha sigcwele uviniga; khona bachoma ilula ligcwele

fixando-a num caniço de hissopo, lha chegaram à boca.

30 Quando, pois, Jesus tomou o vinagre, disse: Está consumado! E, inclinando a cabeça, rendeu o espírito.

Um soldado abre o lado de Jesus com uma lança

31 Então, os judeus, para que no sábado não ficassem os corpos na cruz, visto como era a preparação, pois era grande o dia daquele sábado, rogaram a Pilatos que se lhes quebrassem as pernas, e fossem tirados.

32 Os soldados foram e quebraram as pernas ao primeiro e ao outro que com ele tinham sido crucificados;

33 chegando-se, porém, a Jesus, como vissem que já estava morto, não lhe quebraram as pernas.

34 Mas um dos soldados lhe abriu o lado com uma lança, e logo saiu sangue e água.

35 Aquele que isto viu testificou, sendo verdadeiro o seu testemunho; e ele sabe que diz a verdade, para que também vós creiais.

36 E isto aconteceu para se cumprir a Escritura: Nenhum dos seus ossos será quebrado.

37 E outra vez diz a Escritura: Eles verão aquele a quem traspassaram.

O sepultamento de Jesus

Mateus 27.57-61; Marcos 15.42-47; Lucas 23.50-56

38 Depois disto, José de Arimatéia, que era discípulo de Jesus, ainda que ocultamente pelo receio que tinha dos judeus, rogou a Pilatos lhe permitisse tirar o corpo de

uviniga othini lwehisopi, baliyisa emlonyeni wakhe.

30Kwathi ukuba uJesu ewamukele uviniga, wathi: Kufeziwe; wagebisa ikhanda, wafa.

31 Khona abaJuda, ngokuba kwakungolokulungisela, ukuze izidumbu zingahlali esiphambanweni ngesabatha, ngokuba lolo suku lwesabatha lwalulukhulu, banxusa uPilatu ukuba yaphulwe imilenze yabo, basuswe.

32Ayeseza-ke amabutho, ayaphula imilenze yowokuqala neyomunye owayebethelwe naye.

33Esefika kuJesu, ebona ukuthi usefile, kawayaphulanga imilenze yakhe;

34kodwa elinye lamabutho lamgwaza ohlangothini ngomkhonto, kwaphuma masinyane igazi namanzi.

35Obonileyo ufakazile, ubufakazi bakhe buqinisile; yena-ke uyazi ukuthi ukhuluma iqiniso, ukuze nikholwe nani.

36 Ngokuba lokho kwenzeka ukuba kugcwaliseke umbhalo othi: Akuyikwaphulwa thambo lakhe.

37Futhi omunye umbhalo uthi: Bayakumbheka abamgwazileyo.

38 Emva kwalokho uJosefa wase-Arimatheya, engumfundi kaJesu kepha ekufihla ngokwesaba abaJuda, wacela kuPilatu ukuba asuse isidumbu sikaJesu;

Jesus. Pilatos lho permitiu. Então, foi José de Arimatéia e retirou o corpo de Jesus.

[39] E também Nicodemos, aquele que anteriormente viera ter com Jesus à noite, foi, levando cerca de cem libras de um composto de mirra e aloés.

[40] Tomaram, pois, o corpo de Jesus e o envolveram em lençóis com os aromas, como é de uso entre os judeus na preparação para o sepulcro.

[41] No lugar onde Jesus fora crucificado, havia um jardim, e neste, um sepulcro novo, no qual ninguém tinha sido ainda posto.

[42] Ali, pois, por causa da preparação dos judeus e por estar perto o túmulo, depositaram o corpo de Jesus.

uPilatu wavuma-ke. Wayesefika, wasisusa isidumbu sikaJesu.

[39] Kweza noNikodemu owafika kuye kuqala ebusuku, waletha ixube lenhlaka nomhlaba kungathi amalitra ayikhulu.

[40]Ngakho base besithatha isidumbu sikaJesu, basisonga ngezindwangu zelineni kanye namakha njengesiko labaJuda lokumbela.

[41]Khona ngakuleyo ndawo, lapho wayebethelwe khona esiphambanweni, kwakukhona insimu, nasensimini kukhona ithuna elisha okwakungazange kubekwe muntu kulo.

[42]Bambeka lapho-ke uJesu ngenxa yolokulungisela lwabaJuda, ngokuba ithuna laliseduze.

João 20

A ressurreição de Jesus

Mateus 28.1-10; Marcos 16.1-8; Lucas 24.1-12

[1] No primeiro dia da semana, Maria Madalena foi ao sepulcro de madrugada, sendo ainda escuro, e viu que a pedra estava revolvida.

[2] Então, correu e foi ter com Simão Pedro e com o outro discípulo, a quem Jesus amava, e disse-lhes: Tiraram do sepulcro o SENHOR, e não sabemos onde o puseram.

[3] Saiu, pois, Pedro e o outro discípulo e foram ao sepulcro.

[4] Ambos corriam juntos, mas o outro discípulo correu mais depressa do que Pedro e chegou primeiro ao sepulcro;

NgokukaJohane 20

Ukuvuka kukaJesu

(Math. 28:1; Mark. 16:1; Luk. 24:1)

[1] Kwathi ngosuku lokuqala lweviki uMariya Magdalena wafika ethuneni ekuseni kusemnyama, wabona itshe lisusiwe ethuneni.

[2]Khona wayesegijima waya kuSimoni Petru nakulowo mfundi omunye uJesu amthandayo, wathi kubo: Bayisusile iNkosi ethuneni, asazi lapha beyibeke khona.

[3]Ngakho wayesephuma uPetru nomunye umfundi, beza ethuneni.

[4]Bagijima bobabili kanyekanye; kepha umfundi omunye wagijima kakhulu kunoPetru, wafika kuqala ethuneni;

[5] e, abaixando-se, viu os lençóis de linho; todavia, não entrou.

[6] Então, Simão Pedro, seguindo-o, chegou e entrou no sepulcro. Ele também viu os lençóis,

[7] e o lenço que estivera sobre a cabeça de Jesus, e que não estava com os lençóis, mas deixado num lugar à parte.

[8] Então, entrou também o outro discípulo, que chegara primeiro ao sepulcro, e viu, e creu.

[9] Pois ainda não tinham compreendido a Escritura, que era necessário ressuscitar ele dentre os mortos.

[10] E voltaram os discípulos outra vez para casa.

Jesus aparece a Maria Madalena

Marcos 16.9-11

[11] Maria, entretanto, permanecia junto à entrada do túmulo, chorando. Enquanto chorava, abaixou-se, e olhou para dentro do túmulo,

[12] e viu dois anjos vestidos de branco, sentados onde o corpo de Jesus fora posto, um à cabeceira e outro aos pés.

[13] Então, eles lhe perguntaram: Mulher, por que choras? Ela lhes respondeu: Porque levaram o meu SENHOR, e não sei onde o puseram.

[14] Tendo dito isto, voltou-se para trás e viu Jesus em pé, mas não reconheceu que era Jesus.

[15] Perguntou-lhe Jesus: Mulher, por que choras? A quem procuras? Ela, supondo ser ele o jardineiro, respondeu: SENHOR,

[5]elunguza wabona izindwangu zelineni zikhona, kepha akangenanga.

[6]Khona wafika noSimoni Petru emlandela, wangena ethuneni, wabona izindwangu zelineni zikhona,

[7]neduku ebelisekhanda lakhe libekiwe lingekho ezindwangwini zelineni, kepha lisongwe lilodwa kwenye indawo.

[8]Khona wayesengena nomfundi omunye ofike kuqala ethuneni, wabona, wakholwa;

[9]ngokuba bebengakawuqondi umbhalo wokuthi ubefanele ukuvuka kwabafileyo.

[10]Base bemuka abafundi, baphindela kubo.

Ukuzibonakalisa kukaJesu

[11]Kepha uMariya wema ethuneni ngaphandle ekhala; esakhala walunguza ethuneni;

[12]wabona izingelosi ezimbili zembethe okumhlophe, zihlezi, enye ngasekhanda nenye ngasezinyaweni, lapho isidumbu sikaJesu besilele khona.

[13]Zona-ke zathi kuye: Mame, ukhalelani na? Wathi kuzo: Bayithathile iNkosi yami, futhi angazi ukuthi bayibekephi.

[14] Eseshilo lokho waphenduka, wabona uJesu emi, kepha wayengazi ukuthi nguJesu.

[15]UJesu wathi kuye: Mame, ukhalelani na? Ufuna bani na? Kepha yena ethi ngumphathi wensimu wathi kuye: Nkosi,

se tu o tiraste, dize-me onde o puseste, e eu o levarei.

[16] Disse-lhe Jesus: Maria! Ela, voltando-se, lhe disse, em hebraico: Raboni (que quer dizer Mestre)!

[17] Recomendou-lhe Jesus: Não me detenhas; porque ainda não subi para meu Pai, mas vai ter com os meus irmãos e dize-lhes: Subo para meu Pai e vosso Pai, para meu Deus e vosso Deus.

[18] Então, saiu Maria Madalena anunciando aos discípulos: Vi o SENHOR! E contava que ele lhe dissera estas coisas.

Jesus aparece aos discípulos

Lucas 24.36-43

[19] Ao cair da tarde daquele dia, o primeiro da semana, trancadas as portas da casa onde estavam os discípulos com medo dos judeus, veio Jesus, pôs-se no meio e disse-lhes: Paz seja convosco!

[20] E, dizendo isto, lhes mostrou as mãos e o lado. Alegraram-se, portanto, os discípulos ao verem o SENHOR.

[21] Disse-lhes, pois, Jesus outra vez: Paz seja convosco! Assim como o Pai me enviou, eu também vos envio.

[22] E, havendo dito isto, soprou sobre eles e disse-lhes: Recebei o Espírito Santo.

[23] Se de alguns perdoardes os pecados, são-lhes perdoados; se lhos retiverdes, são retidos.

A incredulidade de Tomé

uma umsusile, ngitshele ukuthi umbekephi, ngiye ngiyakumthatha mina.

[16]UJesu wathi kuye: Mariya! Waphenduka, wathi kuye ngesiHeberu: Rabuni, okungukuthi: Mfundisi.

[17] UJesu wathi kuye: Ungangithinti, ngokuba angikenyukeli kuBaba. Kepha yana kubazalwane bami, ubatshele ukuthi ngenyukela kuBaba noYihlo, kuNkulunkulu wami noNkulunkulu wenu.

[18]UMariya Magdalena weza wabikela abafundi ukuthi: Ngiyibonile iNkosi, nokuthi: Ishilo lokho kimi.

[19] Kwathi-ke kusihlwa ngalolo suku, olokuqala lweviki, iminyango ivaliwe lapho abafundi bekhona ngokwesaba abaJuda, uJesu wafika wema phakathi kwabo, wathi kubo: Ukuthula makube kinina.

[20]Eseshilo lokho wabakhombisa izandla nohlangothi lwakhe. Base bethokoza abafundi beyibona iNkosi.

[21] Khona uJesu wabuye wathi kubo: Ukuthula makube kinina. Njengokuba uBaba engithume mina, nami ngiyanithuma nina.

[22]Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi kubo: Yamukelani uMoya oNgcwele.

[23] Enibathethelela izono zabo bathethelelwe; nenibabamba ngazo babanjiwe.

[24] Ora, Tomé, um dos doze, chamado Dídimo, não estava com eles quando veio Jesus.

[25] Disseram-lhe, então, os outros discípulos: Vimos o SENHOR. Mas ele respondeu: Se eu não vir nas suas mãos o sinal dos cravos, e ali não puser o dedo, e não puser a mão no seu lado, de modo algum acreditarei.

Jesus aparece novamente aos discípulos

[26] Passados oito dias, estavam outra vez ali reunidos os seus discípulos, e Tomé, com eles. Estando as portas trancadas, veio Jesus, pôs-se no meio e disse-lhes: Paz seja convosco!

[27] E logo disse a Tomé: Põe aqui o dedo e vê as minhas mãos; chega também a mão e põe-na no meu lado; não sejas incrédulo, mas crente.

[28] Respondeu-lhe Tomé: SENHOR meu e Deus meu!

[29] Disse-lhe Jesus: Porque me viste, creste? Bem-aventurados os que não viram e creram.

O objetivo deste Evangelho

[30] Na verdade, fez Jesus diante dos discípulos muitos outros sinais que não estão escritos neste livro.

[31] Estes, porém, foram registrados para que creiais que Jesus é o Cristo, o Filho de Deus, e para que, crendo, tenhais vida em seu nome.

João 21

Jesus aparece a sete discípulos

[24] Kepha uTomase, omunye kwabayishumi nambili, othiwa uDidimu, wayengekho kubo mhla efika uJesu.

[25]Ngakho-ke abanye abafundi bathi kuye: Siyibonile iNkosi. Kepha wathi kubo: Uma ngingaboni ezandleni zayo inxeba lezipikili, ngifake umunwe wami enxebeni lezipikili, ngifake isandla sami ohlangothini lwayo, angisoze ngakholwa.

[26]Emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili abafundi bakhe babesendlini futhi, uTomase enabo. UJesu wafika iminyango ivaliwe, wema phakathi kwabo, wathi: Ukuthula makube kinina.

[27]Wayesethi kuTomase: Zisa lapha umunwe wakho, ubone izandla zami; zisa isandla sakho, usifake ohlangothini lwami; ungabi ngongakholwayo kodwa okholwayo.

[28]UTomase waphendula, wathi kuye: Nkosi yami, Nkulunkulu wami!

[29] UJesu wathi kuye: Ngokuba ungibonile, ukholiwe na? Babusisiwe abakholwa bengabonanga.

[30] Izibonakaliso ezinye eziningi uJesu wazenza phambi kwabafundi bakhe, ezingalotshiwe kule ncwadi.

[31] Kodwa lezi zilotshiwe ukuba nikholwe ukuthi uJesu unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, nokuba nikholwe, nibe nokuphila egameni lakhe.

NgokukaJohane 21

UJesu uzibonakalisa kubafundi ngaselwandle lwaseTiberiya

[1] Depois disto, tornou Jesus a manifestar-se aos discípulos junto do mar de Tiberíades; e foi assim que ele se manifestou:

[1]Emva kwalokho uJesu wabuye wazibonakalisa kubafundi ngaselwandle lwaseTiberiya; wazibonakalisa kanje:

[2] estavam juntos Simão Pedro, Tomé, chamado Dídimo, Natanael, que era de Caná da Galiléia, os filhos de Zebedeu e mais dois dos seus discípulos.

[2]kwakukhona ndawonye oSimoni Petru, noTomase othiwa uDidimu, noNathanayeli waseKhana laseGalile, nabakaZebedewu, nabanye ababili kubafundi bakhe.

[3] Disse-lhes Simão Pedro: Vou pescar. Disseram-lhe os outros: Também nós vamos contigo. Saíram, e entraram no barco, e, naquela noite, nada apanharam.

[3]USimoni Petru wathi kubo: Ngiya kodoba. Bathi kuye: Nathi sihamba nawe. Base bephuma, bangena emkhunjini; kepha ngalobo busuku ababambanga lutho.

[4] Mas, ao clarear da madrugada, estava Jesus na praia; todavia, os discípulos não reconheceram que era ele.

[4] Kuthe sekusa, uJesu wayemi ogwini. Kepha abafundi babengazi ukuthi nguJesu.

[5] Perguntou-lhes Jesus: Filhos, tendes aí alguma coisa de comer? Responderam-lhe: Não.

[5]UJesu wathi-ke kubo: Bantwana, aninakho ukudla na? Bamphendula bathi: Qha.

[6] Então, lhes disse: Lançai a rede à direita do barco e achareis. Assim fizeram e já não podiam puxar a rede, tão grande era a quantidade de peixes.

[6] Wayesethi kubo: Phonsani inetha ngakwesokunene somkhumbi, nizakuthola. Base bephonsa, ababe besaba namandla ukulidonsa ngenxa yobuningi bezinhlanzi.

[7] Aquele discípulo a quem Jesus amava disse a Pedro: É o SENHOR! Simão Pedro, ouvindo que era o SENHOR, cingiu-se com sua veste, porque se havia despido, e lançou-se ao mar;

[7] Khona lowo mfundi uJesu amthandayo wathi kuPetru: YiNkosi. USimoni Petru, ekuzwa ukuthi yiNkosi, wagqoka, ngokuba wayehamba ze, waziphonsa elwandle.

[8] mas os outros discípulos vieram no barquinho puxando a rede com os peixes; porque não estavam distantes da terra senão quase duzentos côvados.

[8]Kepha abanye abafundi beza ngesikebhe, ngokuba bebengekude nenhlabathi kepha kungathi izingalo ezingamakhulu amabili, bedonsa inetha linezinhlanzi.

[9] Ao saltarem em terra, viram ali umas brasas e, em cima, peixes; e havia também pão.
[10] Disse-lhes Jesus: Trazei alguns dos peixes que acabastes de apanhar.
[11] Simão Pedro entrou no barco e arrastou a rede para a terra, cheia de cento e cinqüenta e três grandes peixes; e, não obstante serem tantos, a rede não se rompeu.
[12] Disse-lhes Jesus: Vinde, comei. Nenhum dos discípulos ousava perguntar-lhe: Quem és tu? Porque sabiam que era o SENHOR.
[13] Veio Jesus, tomou o pão, e lhes deu, e, de igual modo, o peixe.
[14] E já era esta a terceira vez que Jesus se manifestava aos discípulos, depois de ressuscitado dentre os mortos.

Pedro é interrogado

[15] Depois de terem comido, perguntou Jesus a Simão Pedro: Simão, filho de João, amas-me mais do que estes outros? Ele respondeu: Sim, SENHOR, tu sabes que te amo. Ele lhe disse: Apascenta os meus cordeiros.
[16] Tornou a perguntar-lhe pela segunda vez: Simão, filho de João, tu me amas? Ele lhe respondeu: Sim, SENHOR, tu sabes que te amo. Disse-lhe Jesus: Pastoreia as minhas ovelhas.
[17] Pela terceira vez Jesus lhe perguntou: Simão, filho de João, tu me amas? Pedro entristeceu-se por ele lhe ter dito, pela terceira vez: Tu me amas? E respondeu-lhe: SENHOR, tu sabes todas as coisas, tu

[9]Kuthe sebephumele emhlabathini, babona umlilo wamalahle, nezinhlanzi zibekwe kuwo, nesinkwa.
[10]UJesu wathi kubo: Lethani izinhlanzi kwenizibambe manje.
[11]Wasuka uSimoni Petru, walihudulela emhlabathini inetha. Ligcwele izinhlanzi ezinkulu, ziyikhulu namashumi ayisihlanu nantathu; noma zingako, inetha alidabukanga.
[12]UJesu wathi kubo: Wozani nidle. Kepha akwabakho kubafundi owaba nesibindi sokumbuza ngokuthi: Ungubani wena na? Bazi ukuthi yiyo iNkosi.
[13]UJesu weza, wathabatha isinkwa, wabapha, nezinhlanzi futhi.
[14] Lokho sekungokwesithathu uJesu ebonakaliswa kubafundi, esevukile kwabafileyo.

Ukuvivinywa kukaPetru

[15] Khona sebedlile uJesu wathi kuSimoni Petru: Simoni kaJona, uyangithanda kunalaba na? Wathi kuye: Yebo, Nkosi, uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda. Wathi kuye: Yipha amawundlu ami.
[16] Wabuye wathi kuye ngokwesibili: Simoni kaJona, uyangithanda na? Wathi kuye: Yebo, Nkosi, uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda. Wathi kuye: Yalusa izimvu zami.
[17]Wathi kuye ngokwesithathu: Simoni kaJona, uyangithanda na? UPetru wadabuka ngokuba wathi kuye ngokwesithathu: Uyangithanda na? Wathi kuye: Nkosi, wazi konke wena, uyazi

sabes que eu te amo. Jesus lhe disse: Apascenta as minhas ovelhas.

[18] Em verdade, em verdade te digo que, quando eras mais moço, tu te cingias a ti mesmo e andavas por onde querias; quando, porém, fores velho, estenderás as mãos, e outro te cingirá e te levará para onde não queres.

[19] Disse isto para significar com que gênero de morte Pedro havia de glorificar a Deus. Depois de assim falar, acrescentou-lhe: Segue-me.

[20] Então, Pedro, voltando-se, viu que também o ia seguindo o discípulo a quem Jesus amava, o qual na ceia se reclinara sobre o peito de Jesus e perguntara: SENHOR, quem é o traidor?

[21] Vendo-o, pois, Pedro perguntou a Jesus: E quanto a este?

[22] Respondeu-lhe Jesus: Se eu quero que ele permaneça até que eu venha, que te importa? Quanto a ti, segue-me.

[23] Então, se tornou corrente entre os irmãos o dito de que aquele discípulo não morreria. Ora, Jesus não dissera que tal discípulo não morreria, mas: Se eu quero que ele permaneça até que eu venha, que te importa?

O testemunho de João

[24] Este é o discípulo que dá testemunho a respeito destas coisas e que as escreveu; e sabemos que o seu testemunho é verdadeiro.

[25] Há, porém, ainda muitas outras coisas que Jesus fez. Se todas elas fossem relatadas uma por uma, creio eu que nem

ukuthi ngiyakuthanda. UJesu wathi kuye: Yipha izimvu zami.

[18] Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Usemusha wawugqoka, uhambe lapho uthanda khona; kepha nxa usumdala, uyakwelula izandla zakho, omunye akugqokise, akuyise lapho ungathandi khona.

[19] Kepha wakusho lokho ekhomba ukufa azakumdumisa uNkulunkulu ngakho. Eseshilo lokho wathi: Ngilandele.

[20] UPetru ephenduka wabona umfundi uJesu amthandayo elandela, oyena futhi wayencike esifubeni sakhe ekudleni, nowathi: Nkosi, ngubani ozakukukhaphela na?

[21]Kuthe uPetru embona lowo, wathi kuJesu: Nkosi, kepha lona, pho?

[22]UJesu wathi kuye: Uma ngithanda ukuba ahlale ngize ngifike, kuyini kuwe na? Wena landela mina.

[23]Ngakho-ke leli zwi laphumela kubazalwane lokuthi lowo mfundi akayikufa. Kanti uJesu akashongo ukuthi akayikufa kodwa ukuthi: Uma ngithanda ukuba ahlale ngize ngifike, kuyini kuwe na?

Isigcino

[24] Nguye lo mfundi ofakaza ngalezi zinto nokulobile lokhu; siyazi ukuthi ubufakazi bakhe buqinisile.

[25] Kukhona nezinye izinto eziningi azenza uJesu; uma zilotshiwe zona ngazinye,

no mundo inteiro caberiam os livros que seriam escritos.

ngithi nezwe lonke lingezanele izincwadi ezingalotshwa.

Atos dos Apóstolos	IzEnzo

Atos 1

Prólogo

[1] Escrevi o primeiro livro, ó Teófilo, relatando todas as coisas que Jesus começou a fazer e a ensinar

[2] até ao dia em que, depois de haver dado mandamentos por intermédio do Espírito Santo aos apóstolos que escolhera, foi elevado às alturas.

[3] A estes também, depois de ter padecido, se apresentou vivo, com muitas provas incontestáveis, aparecendo-lhes durante quarenta dias e falando das coisas concernentes ao reino de Deus.

[4] E, comendo com eles, determinou-lhes que não se ausentassem de Jerusalém, mas que esperassem a promessa do Pai, a qual, disse ele, de mim ouvistes.

[5] Porque João, na verdade, batizou com água, mas vós sereis batizados com o Espírito Santo, não muito depois destes dias.

A ascensão de Jesus

[6] Então, os que estavam reunidos lhe perguntaram: SENHOR, será este o tempo em que restaures o reino a Israel?

[7] Respondeu-lhes: Não vos compete conhecer tempos ou épocas que o Pai reservou pela sua exclusiva autoridade;

[8] mas recebereis poder, ao descer sobre vós o Espírito Santo, e sereis minhas testemunhas tanto em Jerusalém como em toda a Judéia e Samaria e até aos confins da terra.

IzEnzo 1

Isingeniso. Ukwenyuka kukaJesu

[1] Incwadi yokuqala ngayiloba, Theyofilu, ngakho konke uJesu aqala ukukwenza nokukufundisa,

[2] kwaze kwaba lusuku akhushulwa ngalo, esebayalile ngoMoya oNgcwele abaphostoli ayebakhethile;

[3] waziveza kubo ephilile emva kokuhlupheka kwakhe ngobufakazi obuningi, wabonwa yibo izinsuku ezingamashumi amane ekhuluma ngezombuso kaNkulunkulu;

[4] kwathi ehlangene nabo, wabayala ngokuthi: Ningamuki eJerusalema, kodwa nihlalele isithembiso sikaYise enasizwa ngami.

[5] Ngokuba uJohane wayebhapathiza ngamanzi, kepha nina nizakubhapathizwa ngoMoya oNgcwele kungakadluli izinsuku eziningi.

[6]Khona labo ababebuthene bambuza bathi: Nkosi, usawubuyisela umbuso ku-Israyeli ngalesi sikhathi na?

[7] Wathi kubo: Akusikho okwenu ukwazi izikhathi noma imizuzu uBaba akumisele ngamandla akhe;

[8] kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, nibe ngofakazi bami eJerusalema, naseJudiya lonke, naseSamariya kuze kube sekugcineni komhlaba.

[9] Ditas estas palavras, foi Jesus elevado às alturas, à vista deles, e uma nuvem o encobriu dos seus olhos.
[10] E, estando eles com os olhos fitos no céu, enquanto Jesus subia, eis que dois varões vestidos de branco se puseram ao lado deles
[11] e lhes disseram: Varões galileus, por que estais olhando para as alturas? Esse Jesus que dentre vós foi assunto ao céu virá do modo como o vistes subir.

Os discípulos em Jerusalém

[12] Então, voltaram para Jerusalém, do monte chamado Olival, que dista daquela cidade tanto como a jornada de um sábado.

[13] Quando ali entraram, subiram para o cenáculo onde se reuniam Pedro, João, Tiago, André, Filipe, Tomé, Bartolomeu, Mateus, Tiago, filho de Alfeu, Simão, o Zelote, e Judas, filho de Tiago.

[14] Todos estes perseveravam unânimes em oração, com as mulheres, com Maria, mãe de Jesus, e com os irmãos dele.

A escolha de Matias

[15] Naqueles dias, levantou-se Pedro no meio dos irmãos (ora, compunha-se a assembléia de umas cento e vinte pessoas) e disse:
[16] Irmãos, convinha que se cumprisse a Escritura que o Espírito Santo proferiu anteriormente por boca de Davi, acerca de Judas, que foi o guia daqueles que prenderam Jesus,

[9] Kwathi eseshilo lokho, wakhushulwa bebuka; ifu lamsusa emehlweni abo.

[10] Bathi besagqolozela ezulwini emuka, bheka, amadoda amabili ayemi kubo, embethe izingubo ezimhlophe,
[11] athi: Madoda aseGalile, nimeleni nibheka ezulwini na? UJesu lo, osuswe kini enyuselwa ezulwini, uyakuza kanjalo, njengalokho nimbonile eya ezulwini.

[12]Khona babuyela eJerusalema bevela entabeni ethiwa eyemiNqumo eseduze neJerusalema, ibanga lohambo lwesabatha.
[13] Kwathi sebengenile, benyukela ekamelweni eliphezulu, lapho bebehlala khona: oPetru, noJohane, noJakobe, no-Andreya, noFiliphu, noTomase, noBartolomewu, noMathewu, noJakobe ka-Alfewu, noSimoni umZelothe, noJuda kaJakobe.
[14] Bonke laba baqinisela nganhliziyonye ekukhulekeni kanye nabesifazane, noMariya unina kaJesu, nabafowabo.

Ukukhethwa kukaMathiya abe ngomunye wabaphostoli esikhundleni sikaJuda

[15]Ngaleyo mihla uPetru wasukuma phakathi kwabazalwane, isixuku sabantu esasikhona ndawonye kwakungathi ikhulu namashumi amabili, wathi:
[16] Madoda, bazalwane, kwakumelwe ukuba kugcwaliseke umbhalo uMoya oNgcwele awukhulumayo ngaphambili ngomlomo kaDavide ngoJuda owayengumholi kulabo ababamba uJesu,

[17] porque ele era contado entre nós e teve parte neste ministério.

[18] (Ora, este homem adquiriu um campo com o preço da iniqüidade; e, precipitando-se, rompeu-se pelo meio, e todas as suas entranhas se derramaram;

[19] e isto chegou ao conhecimento de todos os habitantes de Jerusalém, de maneira que em sua própria língua esse campo era chamado Aceldama, isto é, Campo de Sangue.)

[20] Porque está escrito no Livro dos Salmos: Fique deserta a sua morada; e não haja quem nela habite; e: Tome outro o seu encargo.

[21] É necessário, pois, que, dos homens que nos acompanharam todo o tempo que o SENHOR Jesus andou entre nós,

[22] começando no batismo de João, até ao dia em que dentre nós foi levado às alturas, um destes se torne testemunha conosco da sua ressurreição.

[23] Então, propuseram dois: José, chamado Barsabás, cognominado Justo, e Matias.

[24] E, orando, disseram: Tu, SENHOR, que conheces o coração de todos, revela-nos qual destes dois tens escolhido

[25] para preencher a vaga neste ministério e apostolado, do qual Judas se transviou, indo para o seu próprio lugar.

[17]ngokuba wayebalwe kanye nathi, wathola isabelo kule nkonzo.

[18] Lowo-ke wazuza insimu ngomvuzo wokungalungi, wawa ngekhanda, waqhuma phakathi, nezibilini zakhe zonke zachitheka;

[19]kwaziwa yibo bonke abakhileyo eJerusalema, yaze yaqanjwa leyo nsimu ngolimi lwakubo ngokuthi i-Akeldama, okungukuthi iNsimu Yegazi.

[20] Ngokuba kulotshiwe eNcwadini yamaHubo ukuthi: Umuzi wakhe mawube yihlane, kungabikho ohlala kuwo, nokuthi: Isikhundla sakhe asithathwe ngomunye.

[21] Ngakho kulawo madoda ayehamba nathi isikhathi sonke, lapho iNkosi uJesu ingena, iphuma phakathi kwethu,

[22]kuqalela embhapathizweni kaJohane kwaze kwaba lusuku akhushulwa ngalo kithi, kumelwe ukuba enye kuwo ibe ngufakazi kanye nathi ngokuvuka kwakhe.

[23]Base bemisa ababili, uJosefa othiwa uBarsaba, othiwa futhi uJustu, kanye noMathiya.

[24] Base bekhuleka bethi: Wena Nkosi, owazi izinhliziyo zabantu bonke, ake ukhombe omunye kulaba ababili omkhethileyo

[25]ukuba athathe isikhundla sale nkonzo nobuphostoli aphambuka kuso uJuda ukuya endaweni yakhe.

[26] E os lançaram em sortes, vindo a sorte recair sobre Matias, sendo-lhe, então, votado lugar com os onze apóstolos.

Atos 2

A descida do Espírito Santo

[1] Ao cumprir-se o dia de Pentecostes, estavam todos reunidos no mesmo lugar;

[2] de repente, veio do céu um som, como de um vento impetuoso, e encheu toda a casa onde estavam assentados.

[3] E apareceram, distribuídas entre eles, línguas, como de fogo, e pousou uma sobre cada um deles.

[4] Todos ficaram cheios do Espírito Santo e passaram a falar em outras línguas, segundo o Espírito lhes concedia que falassem.

O dom de línguas

[5] Ora, estavam habitando em Jerusalém judeus, homens piedosos, vindos de todas as nações debaixo do céu.

[6] Quando, pois, se fez ouvir aquela voz, afluiu a multidão, que se possuiu de perplexidade, porquanto cada um os ouvia falar na sua própria língua.

[7] Estavam, pois, atônitos e se admiravam, dizendo: Vede! Não são, porventura, galileus todos esses que aí estão falando?

[8] E como os ouvimos falar, cada um em nossa própria língua materna?

[9] Somos partos, medos, elamitas e os naturais da Mesopotâmia, Judéia, Capadócia, Ponto e Ásia,

[26] Base bebenzela inkatho; yadla uMathiya; wabalwa kanye nabaphostoli abayishumi nanye.

IzEnzo 2

Ukuthululwa kukaMoya oNgcwele

[1] Kwathi sekufikile usuku lwePhentekoste, bonke babebuthene ndawonye.

[2] Ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla; yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.

[3] Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kungathi ezomlilo; zahlala phezu kwalowo nalowo kubo.

[4] Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.

[5]Kepha kwakukhona abaJuda abakhile eJerusalema, amadoda akholwayo, evela ezizweni zonke eziphansi kwezulu;

[6]kwathi kuzwakele lowo mdumo, uquqaba lwabuthana, lwaphithiza, ngokuba kwaba yilowo nalowo wabezwa bekhuluma ngolimi lwakubo.

[7]Bethuka, bamangala bathi: Bheka, bonke laba abakhulumayo abasibo abaseGalile na?

[8]Yini, pho, ukuba sonke ngabanye sizwe ngolimi lwakithi esazalwa nalo na?

[9]AmaParte, namaMede, nama-Elamithi, nabakhile eMesopotamiya, naseJudiya, naseKhaphadosiya, nasePontu, nase-Asiya,

[10] da Frígia, da Panfília, do Egito e das regiões da Líbia, nas imediações de Cirene, e romanos que aqui residem,

[11] tanto judeus como prosélitos, cretenses e arábios. Como os ouvimos falar em nossas próprias línguas as grandezas de Deus?

[12] Todos, atônitos e perplexos, interpelavam uns aos outros: Que quer isto dizer?

[13] Outros, porém, zombando, diziam: Estão embriagados!

O discurso de Pedro

[14] Então, se levantou Pedro, com os onze; e, erguendo a voz, advertiu-os nestes termos: Varões judeus e todos os habitantes de Jerusalém, tomai conhecimento disto e atentai nas minhas palavras.

[15] Estes homens não estão embriagados, como vindes pensando, sendo esta a terceira hora do dia.

[16] Mas o que ocorre é o que foi dito por intermédio do profeta Joel:

[17] E acontecerá nos últimos dias, diz o SENHOR, que derramarei do meu Espírito sobre toda a carne; vossos filhos e vossas filhas profetizarão, vossos jovens terão visões, e sonharão vossos velhos;

[18] até sobre os meus servos e sobre as minhas servas derramarei do meu Espírito naqueles dias, e profetizarão.

[10]naseFrigiya, nasePhamfiliya, naseGibithe, nasezweni laseLibiya ngaseKhurene, nezihambi zaseRoma,

[11]nabaJuda namaproselite, abaseKrethe nabase-Arabiya, siyabezwa bekhuluma ngezilimi zakithi ngemisebenzi emikhulu kaNkulunkulu.

[12]Bonke bamangala, basambatheka, bathi omunye komunye: Kuthini lokhu na?

[13]Kepha abanye bebabhuqa bathi: Bagcwele iwayini elimnandi.

Intshumayelo kaPetru

[14]Wayesesukuma uPetru nabayishumi nanye, waphakamisa izwi lakhe, waphumisela wathi kubo: Madoda akwaJuda nani nonke enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami.

[15]Ngokuba laba kabadakiwe njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini;

[16] kodwa lokhu kuyikho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli ukuthi:

[17] Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ngiyakuthulula uMoya wami phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, izinsizwa zenu zibone imibono, abadala benu baphuphe amaphupho;

[18]yebo, naphezu kwezinceku zami nezincekukazi zami ngiyakuthulula uMoya wami ngaleyo mihla, ziyakuprofetha.

[19] Mostrarei prodígios em cima no céu e sinais embaixo na terra: sangue, fogo e vapor de fumaça.
[20] O sol se converterá em trevas, e a lua, em sangue, antes que venha o grande e glorioso Dia do SENHOR.
[21] E acontecerá que todo aquele que invocar o nome do SENHOR será salvo.

[22] Varões israelitas, atendei a estas palavras: Jesus, o Nazareno, varão aprovado por Deus diante de vós com milagres, prodígios e sinais, os quais o próprio Deus realizou por intermédio dele entre vós, como vós mesmos sabeis;

[23] sendo este entregue pelo determinado desígnio e presciência de Deus, vós o matastes, crucificando-o por mãos de iníquos;
[24] ao qual, porém, Deus ressuscitou, rompendo os grilhões da morte; porquanto não era possível fosse ele retido por ela.
[25] Porque a respeito dele diz Davi: Diante de mim via sempre o SENHOR, porque está à minha direita, para que eu não seja abalado.
[26] Por isso, se alegrou o meu coração, e a minha língua exultou; além disto, também a minha própria carne repousará em esperança,
[27] porque não deixarás a minha alma na morte, nem permitirás que o teu Santo veja corrupção.

[19]Ngiyakuveza izimangaliso ezulwini phezulu nezibonakaliso emhlabeni phansi, igazi, nomlilo, nokuthunqa komusi.
[20] Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, inyanga ibe yigazi, lungakafiki usuku olukhulu noluqhamileyo lweNkosi.
[21] Kuyakuthi yilowo nalowo obiza igama leNkosi uyakusindiswa.
[22] Madoda akwa-Israyeli, zwanini lawa mazwi: UJesu waseNazaretha, indoda efakazelwe nguNkulunkulu phambi kwenu ngemisebenzi yamandla nangezimangaliso nangezibonakaliso uNkulunkulu azenza ngaye phakathi kwenu, njengalokhu nazi nina uqobo lwenu,
[23]yena lo, esenikelwe ngesu elimisiweyo nangokwaziphambili kukaNkulunkulu, nambethela ngezandla zabangenamthetho, nambulala;
[24]lowo uNkulunkulu wamvusa ethukulula iminjunju yokufa, lokhu kwakungenakwenzeka ukuba abanjwe yikho.
[25] Ngokuba uDavide uthi ngaye: Ngayibona iNkosi phambi kwami njalo, ngokuba ingakwesokunene sami, ukuze nginganyakaziswa.
[26]Ngalokho inhliziyo yami iyajabula, nolimi lwami luyethaba; ngisho nenyama yami iyakuhlala ngokwethemba.
[27]Ngokuba awuyikushiya umphefumulo wami eHayidese, futhi awuyikuvuma oNgcwele wakho abone ukubola.

[28] Fizeste-me conhecer os caminhos da vida, encher-me-ás de alegria na tua presença.

[29] Irmãos, seja-me permitido dizer-vos claramente a respeito do patriarca Davi que ele morreu e foi sepultado, e o seu túmulo permanece entre nós até hoje.

[30] Sendo, pois, profeta e sabendo que Deus lhe havia jurado que um dos seus descendentes se assentaria no seu trono,

[31] prevendo isto, referiu-se à ressurreição de Cristo, que nem foi deixado na morte, nem o seu corpo experimentou corrupção.

[32] A este Jesus Deus ressuscitou, do que todos nós somos testemunhas.

[33] Exaltado, pois, à destra de Deus, tendo recebido do Pai a promessa do Espírito Santo, derramou isto que vedes e ouvis.

[34] Porque Davi não subiu aos céus, mas ele mesmo declara: Disse o SENHOR ao meu SENHOR: Assenta-te à minha direita,

[35] até que eu ponha os teus inimigos por estrado dos teus pés.

[36] Esteja absolutamente certa, pois, toda a casa de Israel de que a este Jesus, que vós crucificastes, Deus o fez SENHOR e Cristo.

Três mil batizados

[28]Wangazisa izindlela zokuphila; uyakungigcwalisa ngokujabula ebusweni bakho.

[29] Madoda, bazalwane, ake ngikhulume kini ngokusobala ngokhokho uDavide ukuthi wafa, nokuthi wembelwa, nokuthi ithuna lakhe lisekhona kithi nanamuhla.

[30] Ngakho lokhu engumprofethi, ekwazi ukuthi uNkulunkulu wayefungile kuye ngesifungo ukuthi enzalweni yokhalo lwakhe uyakubeka omunye esihlalweni sakhe sobukhosi,

[31]ebona kuse phambili, wakhuluma ngokuvuka kukaKristu ukuthi akashiywanga eHayidese, nenyama yakhe ayibonanga ukubola.

[32] UJesu lo uNkulunkulu wamvusa, esingofakazi bakho thina sonke;

[33] ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, esamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu enikubonayo nenikuzwayo.

[34] Ngokuba uDavide akenyukelanga ezulwini, kepha yena uthi: INkosi yathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami,

[35]ngize ngibeke izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.

[36] Ngakho indlu yonke yakwa-Israyeli mayazi impela ukuthi uNkulunkulu umenzile iNkosi noKristu uJesu lo enambethela nina esiphambanweni.

Ukuphenduka nokubhapathizwa kwaba yizinkulungwane ezintathu

37 Ouvindo eles estas coisas, compungiu-se-lhes o coração e perguntaram a Pedro e aos demais apóstolos: Que faremos, irmãos?

38 Respondeu-lhes Pedro: Arrependei-vos, e cada um de vós seja batizado em nome de Jesus Cristo para remissão dos vossos pecados, e recebereis o dom do Espírito Santo.

39 Pois para vós outros é a promessa, para vossos filhos e para todos os que ainda estão longe, isto é, para quantos o SENHOR, nosso Deus, chamar.

40 Com muitas outras palavras deu testemunho e exortava-os, dizendo: Salvai-vos desta geração perversa.

41 Então, os que lhe aceitaram a palavra foram batizados, havendo um acréscimo naquele dia de quase três mil pessoas.

Como viviam os convertidos

42 E perseveravam na doutrina dos apóstolos e na comunhão, no partir do pão e nas orações.

43 Em cada alma havia temor; e muitos prodígios e sinais eram feitos por intermédio dos apóstolos.

44 Todos os que creram estavam juntos e tinham tudo em comum.

45 Vendiam as suas propriedades e bens, distribuindo o produto entre todos, à medida que alguém tinha necessidade.

46 Diariamente perseveravam unânimes no templo, partiam pão de casa em casa e

37 Sebekuzwa bahlabeka enhliziyweni, bathi kuPetru nakwabanye abaphostoli: Madoda, bazalwane, siyakwenze njani na?

38 UPetru wayesethi: Phendukani, yilowo nalowo abhapathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

39 Ngokuba isithembiso ngesenu nesabantwana benu, esabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.

40 Wafakaza nangamanye amazwi amaningi, wabayala wathi: Zisindiseni kulesi sizukulwane esiphambeneyo.

41 Ngakho abalamukeleyo izwi lakhe babhapathizwa, kwenezelwa ngalowo muhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu.

Ibandla laseJerusalema

42 Baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli, nasekuhlanganeni, nasekuhlephuleni isinkwa, nasemikhulekweni.

43 Kepha kwaba yilowo nalowo muntu wehlelwa ngukwesaba; kwenziwa ngabaphostoli izimangaliso nezibonakaliso eziningi.

44 Bonke abakholwayo babe ndawonye, bahlanganyela izinto zonke;

45 bathengisa ngemfuyo nangempahla, babela bonke ngayo njengokuswela kwabo.

46 Imihla ngemihla baqinisela nganhliziyonye ethempelini, bahlephula

tomavam as suas refeições com alegria e singeleza de coração,

47 louvando a Deus e contando com a simpatia de todo o povo. Enquanto isso, acrescentava-lhes o SENHOR, dia a dia, os que iam sendo salvos.

Atos 3

A cura de um coxo

1 Pedro e João subiam ao templo para a oração da hora nona.

2 Era levado um homem, coxo de nascença, o qual punham diariamente à porta do templo chamada Formosa, para pedir esmola aos que entravam.

3 Vendo ele a Pedro e João, que iam entrar no templo, implorava que lhe dessem uma esmola.

4 Pedro, fitando-o, juntamente com João, disse: Olha para nós.

5 Ele os olhava atentamente, esperando receber alguma coisa.

6 Pedro, porém, lhe disse: Não possuo nem prata nem ouro, mas o que tenho, isso te dou: em nome de Jesus Cristo, o Nazareno, anda!

7 E, tomando-o pela mão direita, o levantou; imediatamente, os seus pés e tornozelos se firmaram;

8 de um salto se pôs em pé, passou a andar e entrou com eles no templo, saltando e louvando a Deus.

isinkwa ekhaya, badla ukudla kwabo ngentokozo nangobumhlophe benhliziyo,

47 bemdumisa uNkulunkulu, bethandeka kubantu bonke. INkosi yenezela ebandleni imihla ngemihla abasindiswayo.

IzEnzo 3

UPetru uphilisa umuntu oyisishosha

1UPetru noJohane bakhuphukela ethempelini ngehora lokukhuleka, elesishiyagalolunye.

2 Kwase kulethwa indoda ethile eyisishosha kwasesiswini sikanina, ababeyibeka imihla ngemihla ngasemnyango wethempeli othiwa Omuhle ukuba icele ukwabelwa izipho kwabangenayo ethempelini.

3Kwathi ukuba abone oPetru noJohane bezakungena ethempelini, wacela ukwabelwa isipho.

4Kepha uPetru wamgqolozela kanye noJohane, wathi: Sibheke!

5Wayesebabheka ethemba ukuba amukele utho kubo.

6Kodwa uPetru wathi: Isiliva negolide anginalo; kepha lokho enginakho ngikupha khona: egameni likaJesu Kristu waseNazaretha, hamba.

7Wayesembamba ngesandla sokunene, wamsukumisa; kwaqina masinyane izinyawo zakhe namaqakala,

8egxuma, wema, wahamba, wangena nabo ethempelini, ehamba, egxuma, emdumisa uNkulunkulu.

[9] Viu-o todo o povo a andar e a louvar a Deus,

[10] e reconheceram ser ele o mesmo que esmolava, assentado à Porta Formosa do templo; e se encheram de admiração e assombro por isso que lhe acontecera.

O discurso de Pedro no templo

[11] Apegando-se ele a Pedro e a João, todo o povo correu atônito para junto deles no pórtico chamado de Salomão.

[12] À vista disto, Pedro se dirigiu ao povo, dizendo: Israelitas, por que vos maravilhais disto ou por que fitais os olhos em nós como se pelo nosso próprio poder ou piedade o tivéssemos feito andar?

[13] O Deus de Abraão, de Isaque e de Jacó, o Deus de nossos pais, glorificou a seu Servo Jesus, a quem vós traístes e negastes perante Pilatos, quando este havia decidido soltá-lo.

[14] Vós, porém, negastes o Santo e o Justo e pedistes que vos concedessem um homicida.

[15] Dessarte, matastes o Autor da vida, a quem Deus ressuscitou dentre os mortos, do que nós somos testemunhas.

[16] Pela fé em o nome de Jesus, é que esse mesmo nome fortaleceu a este homem que agora vedes e reconheceis; sim, a fé que vem por meio de Jesus deu a este saúde perfeita na presença de todos vós.

[9]Abantu bonke bambona ehamba, edumisa uNkulunkulu.

[10]Kepha base bemazi ukuba nguyena owayehlalela ukuphiwa ngaseMnyango Omuhle wethempeli, behlelwa ngukwesaba nokumangala ngokwenzakele kuye.

UPetru ukhuluma ngoKristu ukuthi uyiNkosi yokuphila

[11] Esabambelele koPetru noJohane, bonke abantu bagijimela kubo emphemeni othiwa okaSolomoni, besaba kakhulu.

[12]Khona uPetru ebona lokho wathatha wathi kubantu: Madoda akwa-Israyeli, nimangalelani ngalona, nisigqolozelelani ngokungathi simenze ukuba ahambe ngawethu amandla nangokwethu ukukholwa na?

[13] UNkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka nokaJakobe, uNkulunkulu wawobaba bethu uyidumisile iNceku yakhe uJesu enayikhaphela, nayiphika ebusweni bukaPilatu, yena esenqumile ukuyikhulula;

[14] kepha nina namphika oNgcwele noLungileyo, nacela ukuba niphiwe ongumbulali,

[15] nayibulala iNkosi yokuphila ayivusayo uNkulunkulu kwabafileyo, esingofakazi bakho thina.

[16] Ngokukholwa egameni layo lo enimbonayo nenimaziyo igama layo lamenza aqine, nokukholwa okungayo kumnike le mpilo phambi kwenu nonke.

[17] E agora, irmãos, eu sei que o fizestes por ignorância, como também as vossas autoridades;

[18] mas Deus, assim, cumpriu o que dantes anunciara por boca de todos os profetas: que o seu Cristo havia de padecer.

[19] Arrependei-vos, pois, e convertei-vos para serem cancelados os vossos pecados,
[20] a fim de que, da presença do SENHOR, venham tempos de refrigério, e que envie ele o Cristo, que já vos foi designado, Jesus,

[21] ao qual é necessário que o céu receba até aos tempos da restauração de todas as coisas, de que Deus falou por boca dos seus santos profetas desde a antiguidade.

[22] Disse, na verdade, Moisés: O SENHOR Deus vos suscitará dentre vossos irmãos um profeta semelhante a mim; a ele ouvireis em tudo quanto vos disser.

[23] Acontecerá que toda alma que não ouvir a esse profeta será exterminada do meio do povo.

[24] E todos os profetas, a começar com Samuel, assim como todos quantos depois falaram, também anunciaram estes dias.

[25] Vós sois os filhos dos profetas e da aliança que Deus estabeleceu com vossos pais, dizendo a Abraão: Na tua descendência, serão abençoadas todas as nações da terra.

[17] Kalokhu, bazalwane, ngiyazi ukuthi nenza lokho ngokungazi njengabo ababusi benu.
[18] Kepha lokho uNkulunkulu akumemezela ngaphambili ngomlomo wabaprofethi bonke ukuthi uKristu wakhe uyakuhlupheka, ukugcwalisile kanje.
[19] Ngalokhu phendukani, niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu,

[20]ukuze kufike izikhathi zokuhlunyelelwa ezivela ebusweni beNkosi nokuba ithume uKristu Jesu enimmiselweyo,

[21] okumelwe ukuba izulu limamukele, kuze kube yizikhathi zokubuyiselwa kwakho konke uNkulunkulu akhuluma ngakho ngomlomo wabaprofethi bakhe abangcwele, kusukela kwaphakade.
[22]UMose kambe wathi: INkosi uNkulunkulu iyakunivusela umprofethi kubazalwane benu njengami, niyakumlalela kukho konke azakukukhuluma kini.
[23]Kuyakuthi wonke umuntu ongayikumlalela lowo mprofethi uyakuchithwa kubantu.
[24] Yebo, nabaprofethi bonke, kusukela kuSamuweli nabalandelayo, bonke abakhulumileyo, bamemezela lezo zinsuku.
[25] Nina ningamadodana abaprofethi nawesivumelwano uNkulunkulu asenzayo nawoyihlo, ethi ku-Abrahama: Ngenzalo yakho iyakubusiswa imindeni yonke yomhlaba.

[26] Tendo Deus ressuscitado o seu Servo, enviou-o primeiramente a vós outros para vos abençoar, no sentido de que cada um se aparte das suas perversidades.

[26]UNkulunkulu eseyivusile iNceku yakhe wayithumela kini kuqala ukunibusisa ngokuniguqula, kube yilowo nalowo kini ebubini bakhe.

Atos 4

Pedro e João presos

[1] Falavam eles ainda ao povo quando sobrevieram os sacerdotes, o capitão do templo e os saduceus,

[2] ressentidos por ensinarem eles o povo e anunciarem, em Jesus, a ressurreição dentre os mortos;

[3] e os prenderam, recolhendo-os ao cárcere até ao dia seguinte, pois já era tarde.

[4] Muitos, porém, dos que ouviram a palavra a aceitaram, subindo o número de homens a quase cinco mil.

Pedro e João perante o Sinédrio

[5] No dia seguinte, reuniram-se em Jerusalém as autoridades, os anciãos e os escribas

[6] com o sumo sacerdote Anás, Caifás, João, Alexandre e todos os que eram da linhagem do sumo sacerdote;

[7] e, pondo-os perante eles, os argüiram: Com que poder ou em nome de quem fizestes isto?

[8] Então, Pedro, cheio do Espírito Santo, lhes disse: Autoridades do povo e anciãos,

[9] visto que hoje somos interrogados a propósito do benefício feito a um homem enfermo e do modo por que foi curado,

IzEnzo 4

Ukuboshwa kukaPetru noJohane, nokuma kwabo phambi komphakathi wabaJuda

[1] Kepha besakhuluma kubantu, abapristi nenduna yethempeli nabaSadusi babafikela,

[2] benengwa ngukufundisa kwabo abantu nokumemezela ngoJesu ukuvuka kwabafileyo,

[3] bababamba, babafaka etilongweni kwaze kwaba kusasa, ngokuba kwase kuhlwile.

[4] Kepha abaningi kwabezwayo izwi bakholwa; umumo wamadoda waba kungathi izinkulungwane eziyisihlanu.

[5]Kwathi ngangomuso kwabuthana eJerusalema ababusi namalunga nababhali babo,

[6] no-Anase umpristi omkhulu, noKayafase, noJohane, no-Aleksandru, nabo bonke abendlu yompristi omkhulu,

[7] babamisa phakathi kwabo, bababuza bathi: Lokho nikwenze ngamaphi amandla nangaliphi igama na?

[8] Khona uPetru egcwele uMoya oNgcwele wathi kubo: Nina babusi bezizwe namalunga,

[9]nxa sibuzwa namuhla ngomsebenzi omuhle kumuntu ogulayo ukuthi yena usindiswe ngani,

[10] tomai conhecimento, vós todos e todo o povo de Israel, de que, em nome de Jesus Cristo, o Nazareno, a quem vós crucificastes, e a quem Deus ressuscitou dentre os mortos, sim, em seu nome é que este está curado perante vós.

[11] Este Jesus é pedra rejeitada por vós, os construtores, a qual se tornou a pedra angular.

[12] E não há salvação em nenhum outro; porque abaixo do céu não existe nenhum outro nome, dado entre os homens, pelo qual importa que sejamos salvos.

[13] Ao verem a intrepidez de Pedro e João, sabendo que eram homens iletrados e incultos, admiraram-se; e reconheceram que haviam eles estado com Jesus.

[14] Vendo com eles o homem que fora curado, nada tinham que dizer em contrário.

[15] E, mandando-os sair do Sinédrio, consultavam entre si,

[16] dizendo: Que faremos com estes homens? Pois, na verdade, é manifesto a todos os habitantes de Jerusalém que um sinal notório foi feito por eles, e não o podemos negar;

[17] mas, para que não haja maior divulgação entre o povo, ameacemo-los para não mais falarem neste nome a quem quer que seja.

[18] Chamando-os, ordenaram-lhes que absolutamente não falassem, nem ensinassem em o nome de Jesus.

[10] makwazeke kini nonke nasesizweni sonke sakwa-Israyeli ukuthi ngegama likaJesu Kristu waseNazaretha enambethela esiphambanweni, amvusayo uNkulunkulu kwabafileyo, ngaye umi lo muntu phambi kwenu esindile.

[11] Yena uyitshe eladelelwa yinina bakhi, eselaba yinhloko yegumbi.

[12] Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo.

[13]Kwathi bebona isibindi sikaPetru noJohane, beqonda ukuthi bangabantu abangafundile, bayimifunda nje, bamangala; babazi ukuthi kade benoJesu;

[14]kepha bebona umuntu ophilisiweyo emi nabo, babengenakuphika lutho.

[15]Kodwa sebebayalile ukuba baphume emphakathini balulekana bodwa,

[16] bathi: Sizakubenzani laba bantu na? Ngokuba kusobala kubo bonke abakhileyo eJerusalema ukuthi isibonakaliso esiqhamileyo senziwe yibo, asinakukuphika.

[17]Kodwa ukuze kungabe kusanda phakathi kwabantu, asibalaye, bangabe besakhuluma kumuntu namunye ngalelo gama.

[18] Base bebabiza, babayala ngokuthi bangakhulumi, bangafundisi nakanye ngegama likaJesu.

[19] Mas Pedro e João lhes responderam: Julgai se é justo diante de Deus ouvir-vos antes a vós outros do que a Deus;

[20] pois nós não podemos deixar de falar das coisas que vimos e ouvimos.

[21] Depois, ameaçando-os mais ainda, os soltaram, não tendo achado como os castigar, por causa do povo, porque todos glorificavam a Deus pelo que acontecera.

[22] Ora, tinha mais de quarenta anos aquele em quem se operara essa cura milagrosa.

A igreja em oração

[23] Uma vez soltos, procuraram os irmãos e lhes contaram quantas coisas lhes haviam dito os principais sacerdotes e os anciãos.

[24] Ouvindo isto, unânimes, levantaram a voz a Deus e disseram: Tu, Soberano SENHOR, que fizeste o céu, a terra, o mar e tudo o que neles há;

[25] que disseste por intermédio do Espírito Santo, por boca de Davi, nosso pai, teu servo: Por que se enfureceram os gentios, e os povos imaginaram coisas vãs?

[26] Levantaram-se os reis da terra, e as autoridades ajuntaram-se à uma contra o SENHOR e contra o seu Ungido;

[27] porque verdadeiramente se ajuntaram nesta cidade contra o teu santo Servo Jesus, ao qual ungiste, Herodes e Pôncio Pilatos, com gentios e gente de Israel,

[19]Kepha oPetru noJohane baphendula, bathi kubo: Nqumani nina ukuba kulungile yini ebusweni bukaNkulunkulu ukulalela nina kunoNkulunkulu,

[20]ngokuba thina asinakuyeka ukukhuluma ngalokho esikubonileyo nesikuzwileyo.

[21]Khona sebebalayile futhi babayeka, bengafumananga ukuthi bangabajezisa kanjani ngenxa yabantu, ngokuba bonke bedumisa uNkulunkulu ngalokho okwenzekileyo;

[22]ngokuba umuntu esenziwe kuye leso sibonakaliso sokuphulukiswa wayeneminyaka eve emashumini amane.

Ukukhuleka kwebandla

[23]Sebeyekiwe baya kwabakubo, babika konke abapristi abakhulu namalunga abekushilo kubo.

[24] Bona sebezwile baphakamisa izwi kuNkulunkulu nganhliziyonye, bathi: Somandla, wena owenza izulu, nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho,

[25] owasho ngoMoya oNgcwele ngomlomo kababa uDavide inceku yakho ukuthi: Kungani ukuba abezizwe baxokozele, nabantu bacebe okuyize, na?

[26]Amakhosi omhlaba aqhelile, nababusi bayihlanganyele iNkosi noGcotshiweyo wayo.

[27] Ngokuba ngempela oHerode, noPontiyu Pilatu, kanye nabezizwe, nabantu bakwa-Israyeli bayihlanganyela kulo muzi iNceku yakho engcwele uJesu owamgcobayo

[28] para fazerem tudo o que a tua mão e o teu propósito predeterminaram;

[29] agora, SENHOR, olha para as suas ameaças e concede aos teus servos que anunciem com toda a intrepidez a tua palavra,

[30] enquanto estendes a mão para fazer curas, sinais e prodígios por intermédio do nome do teu santo Servo Jesus.

[31] Tendo eles orado, tremeu o lugar onde estavam reunidos; todos ficaram cheios do Espírito Santo e, com intrepidez, anunciavam a palavra de Deus.

A comunidade cristã

[32] Da multidão dos que creram era um o coração e a alma. Ninguém considerava exclusivamente sua nem uma das coisas que possuía; tudo, porém, lhes era comum.

[33] Com grande poder, os apóstolos davam testemunho da ressurreição do SENHOR Jesus, e em todos eles havia abundante graça.

[34] Pois nenhum necessitado havia entre eles, porquanto os que possuíam terras ou casas, vendendo-as, traziam os valores correspondentes

[35] e depositavam aos pés dos apóstolos; então, se distribuía a qualquer um à medida que alguém tinha necessidade.

A oferta de Barnabé

[36] José, a quem os apóstolos deram o sobrenome de Barnabé, que quer dizer

[28] ukuzakukwenza lokho okumiswe ngaphambili yisandla necebo lakho ukuba kwenzeke.

[29] Manje-ke, Nkosi, bheka ukusongela kwabo, unike izinceku zakho ukuba zikhulume izwi lakho ngaso sonke isibindi

[30]ngokwelula isandla sakho ukuphulukisa, kwenziwe izibonakaliso nezimangaliso ngegama leNceku yakho engcwele uJesu.

[31] Kwathi sebekhulekile, kwazanyazanyiswa indawo lapho bebebuthene khona, bagcwaliswa bonke nguMoya oNgcwele, bakhuluma izwi likaNkulunkulu ngesibindi.

Ukuhlanganyela kwebandla izinto zonke

[32] Isixuku sabakholwayo sasinhliziyonye nomphefumulo munye; akwabakho noyedwa owasho ngezimpahla zakhe ukuthi ngezakhe, kodwa bakuhlanganyela konke.

[33]Abaphostoli baveza ngamandla amakhulu ubufakazi ngokuvuka kweNkosi uJesu; umusa omkhulu wawuphezu kwabo bonke.

[34] Kwakungekho oswelayo phakathi kwabo; ngokuba bonke ababengabanikazi bamazwe noma bezindlu bathengisa ngakho, baletha imali yalokho abathengise ngakho,

[35] bayibeka ngasezinyaweni zabaphostoli; kwaba yilowo nalowo wabelwa njengokuswela kwakhe.

[36] Kwathi uJosefa owathiwa ngabaphostoli uBarnaba, okungukuthi

filho de exortação, levita, natural de Chipre,

[37] como tivesse um campo, vendendo-o, trouxe o preço e o depositou aos pés dos apóstolos.

ngokuhunyushwa indodana yenduduzo, umLevi waseKhupro ngokuzalwa,

[37]enensimu, wathengisa ngayo, waletha imali, wayibeka ngasezinyaweni zabaphostoli.

Atos 5

Ananias e Safira

[1] Entretanto, certo homem, chamado Ananias, com sua mulher Safira, vendeu uma propriedade,

[2] mas, em acordo com sua mulher, reteve parte do preço e, levando o restante, depositou-o aos pés dos apóstolos.

[3] Então, disse Pedro: Ananias, por que encheu Satanás teu coração, para que mentisses ao Espírito Santo, reservando parte do valor do campo?

[4] Conservando-o, porventura, não seria teu? E, vendido, não estaria em teu poder? Como, pois, assentaste no coração este desígnio? Não mentiste aos homens, mas a Deus.

[5] Ouvindo estas palavras, Ananias caiu e expirou, sobrevindo grande temor a todos os ouvintes.

[6] Levantando-se os moços, cobriram-lhe o corpo e, levando-o, o sepultaram.

[7] Quase três horas depois, entrou a mulher de Ananias, não sabendo o que ocorrera.

[8] Então, Pedro, dirigindo-se a ela, perguntou-lhe: Dize-me, vendestes por tanto aquela terra? Ela respondeu: Sim, por tanto.

IzEnzo 5

O-Ananiya noSafira

[1]Kepha indoda ethile, igama layo lingu-Ananiya, inoSafira umkayo, yathengisa ngendawo;

[2] yagodla inxenye yemali, nomkayo ekwazi, yaletha inxenye ethile, yayibeka ngasezinyaweni zabaphostoli.

[3]Wayesethi uPetru: Ananiya, kungani ukuba uSathane agcwalise inhliziyo yakho, uqambe amanga kuMoya oNgcwele, ugodle inxenye yemali yezwe, na?

[4]Lisekhona belingesilo elakho na? Selithengisiwe belingekho emandleni akho na? Uyibekeleni leyo nto enhliziyweni yakho na? Awuqambanga amanga kubantu kepha kuNkulunkulu.

[5]Kuthe u-Ananiya ezwa lawo mazwi, wawa phansi, wafa, ukwesaba okukhulu kwehlela bonke abezwa lokho.

[6]Izinsizwa zasuka, zamsongelezela, zamkhiphela phandle, zammbela.

[7]Kwathi emva kwesikhathi esingaba ngamahora amathathu kwangena nomkakhe, engakwazi okwenzakeleyo.

[8]UPetru wayesethatha ethi: Ngitshele ukuba izwe nilithengise ngokungaka na? Wathi: Yebo, ngokungaka.

[9] Tornou-lhe Pedro: Por que entrastes em acordo para tentar o Espírito do SENHOR? Eis aí à porta os pés dos que sepultaram o teu marido, e eles também te levarão.

[10] No mesmo instante, caiu ela aos pés de Pedro e expirou. Entrando os moços, acharam-na morta e, levando-a, sepultaram-na junto do marido.

[11] E sobreveio grande temor a toda a igreja e a todos quantos ouviram a notícia destes acontecimentos.

Os apóstolos fazem muitos milagres

[12] Muitos sinais e prodígios eram feitos entre o povo pelas mãos dos apóstolos. E costumavam todos reunir-se, de comum acordo, no Pórtico de Salomão.

[13] Mas, dos restantes, ninguém ousava ajuntar-se a eles; porém o povo lhes tributava grande admiração.

[14] E crescia mais e mais a multidão de crentes, tanto homens como mulheres, agregados ao SENHOR,

[15] a ponto de levarem os enfermos até pelas ruas e os colocarem sobre leitos e macas, para que, ao passar Pedro, ao menos a sua sombra se projetasse nalguns deles.

[16] Afluía também muita gente das cidades vizinhas a Jerusalém, levando doentes e atormentados de espíritos imundos, e todos eram curados.

A prisão dos apóstolos

[17] Levantando-se, porém, o sumo sacerdote e todos os que estavam com ele,

[9]Kepha uPetru wathi kuye: Kungani ukuba nivumelene ngokulinga uMoya weNkosi na? Bheka, izinyawo zabambele indoda yakho zisemnyango, nawe bazakukukhiphela phandle.

[10]Wayesewa phansi masinyane ngasezinyaweni zakhe, wafa; izinsizwa zangena, zamfumana efile, zamkhiphela phandle, zammbela ngasendodeni yakhe.

[11]Ukwesaba okukhulu kwalehlela ibandla lonke nabo bonke abezwa lokho.

Izimangaliso zabaphostoli

[12] Kwenziwa izimangaliso nezibonakaliso eziningi ebantwini ngezandla zabaphostoli; bonke babe nhliziyonye besemphemeni kaSolomoni.

[13]Kepha kwabanye akwabakho owayenesibindi sokuzihlanganisa nabo, kepha abantu babebazisa kakhulu;

[14]benezelwa kakhulu abakholwa yiNkosi, abaningi nabesilisa nabesifazane,

[15] ngangokuba bakhiphela phandle emigwaqweni abagulayo, bababeka emacansini nasezinhlakeni, kuze kuthi lapho eza uPetru, isithunzi nje sakhe sisithibeze abanye kubo.

[16]Kwabuthana nesixuku esivela emizini ezungeze iJerusalema, beletha abagulayo nabakhathazwa ngawomoya abangcolileyo; baphulukiswa bonke.

Ukuboshwa nokukhululwa kwabaphostoli

[17] Kwase kusuka umpristi omkhulu nabo bonke ababe naye abangabehlelo labaSadusi, bagcwala umhawu,

isto é, a seita dos saduceus, tomaram-se de inveja,

[18] prenderam os apóstolos e os recolheram à prisão pública.

[19] Mas, de noite, um anjo do SENHOR abriu as portas do cárcere e, conduzindo-os para fora, lhes disse:

[20] Ide e, apresentando-vos no templo, dizei ao povo todas as palavras desta Vida.

[21] Tendo ouvido isto, logo ao romper do dia, entraram no templo e ensinavam. Chegando, porém, o sumo sacerdote e os que com ele estavam, convocaram o Sinédrio e todo o senado dos filhos de Israel e mandaram buscá-los no cárcere.

[22] Mas os guardas, indo, não os acharam no cárcere; e, tendo voltado, relataram,

[23] dizendo: Achamos o cárcere fechado com toda a segurança e as sentinelas nos seus postos junto às portas; mas, abrindo-as, a ninguém encontramos dentro.

[24] Quando o capitão do templo e os principais sacerdotes ouviram estas informações, ficaram perplexos a respeito deles e do que viria a ser isto.

[25] Nesse ínterim, alguém chegou e lhes comunicou: Eis que os homens que recolhestes no cárcere, estão no templo ensinando o povo.

[26] Nisto, indo o capitão e os guardas, os trouxeram sem violência, porque temiam ser apedrejados pelo povo.

[18]babamba abaphostoli, babafaka etilongweni lombuso.

[19] Kepha ingelosi yeNkosi yavula iminyango yetilongo ebusuku, yabakhipha, yathi:

[20] Hambani, nime nikhulume ethempelini kubantu amazwi onke alokhu kuPhila.

[21]Kwathi sebezwile, bangena ethempelini ekuthatheni kokusa, bafundisa. Kepha kwafika umpristi omkhulu nababe naye, babizela ndawonye umphakathi nezigele zonke zabantwana bakwa-Israyeli, bathumela endlini yeziboshwa ukuba balethwe.

[22]Kepha izikhonzi ezafika khona azibafumananga etilongweni; zase zibuyela emuva, zabika

[23]zathi: Indlu yeziboshwa sayifumana ivaliwe, iqinile impela, nabalindi bemi eminyango; kepha sesivulile asifumananga muntu ngaphakathi.

[24]Kwathi ukuba induna yethempeli nabapristi abakhulu bezwe lawo mazwi, basambatheka ngawo ngokuthi kungaba yini lokho na?

[25]Kepha kwafika omunye, wababikela wathi: Bhekani, amadoda ebeniwafakile etilongweni emi ethempelini, afundisa abantu.

[26]Khona yaphuma induna kanye nezikhonzi, zabaletha, kungengampoqo, ngokuba bebesaba abantu, funa bakhandwe ngamatshe.

[27] Trouxeram-nos, apresentando-os ao Sinédrio. E o sumo sacerdote interrogou-os,

[27]Sebebalethile babamisa emphakathini; umpristi omkhulu wababuza,

[28] dizendo: Expressamente vos ordenamos que não ensinásseis nesse nome; contudo, enchestes Jerusalém de vossa doutrina; e quereis lançar sobre nós o sangue desse homem.

[28] wathi: Saniyala nokuniyala ukuba ningafundisi ngalelo gama; bhekani, senigcwalise iJerusalema ngesifundiso senu, nihlose ukwehlisela igazi lalowo muntu phezu kwethu.

[29] Então, Pedro e os demais apóstolos afirmaram: Antes, importa obedecer a Deus do que aos homens.

[29] Kepha uPetru nabaphostoli baphendula bathi: Simelwe ukulalela uNkulunkulu kunabantu.

[30] O Deus de nossos pais ressuscitou a Jesus, a quem vós matastes, pendurando-o num madeiro.

[30] UNkulunkulu wawobaba wamvusa uJesu enambulala nina ngokumphanyeka emthini;

[31] Deus, porém, com a sua destra, o exaltou a Príncipe e Salvador, a fim de conceder a Israel o arrependimento e a remissão de pecados.

[31] lowo uNkulunkulu wamphakamisa ngesokunene sakhe abe yiNkosi noMsindisi ukuba anike u-Israyeli ukuphenduka nokuthethelelwa kwezono.

[32] Ora, nós somos testemunhas destes fatos, e bem assim o Espírito Santo, que Deus outorgou aos que lhe obedecem.

[32] Thina singofakazi balezo zinto kanye noMoya oNgcwele uNkulunkulu amnikile labo abamlalelayo.

O parecer de Gamaliel

[33] Eles, porém, ouvindo, se enfureceram e queriam matá-los.

[33] Bona sebezwile bathukuthela, bafuna ukubabulala.

Isiluleko sikaGamaliyeli

[34] Mas, levantando-se no Sinédrio um fariseu, chamado Gamaliel, mestre da lei, acatado por todo o povo, mandou retirar os homens, por um pouco,

[34] Kwase kusukuma omunye emphakathini, umFarisi ogama lakhe linguGamaliyeli, isazimthetho esitusekayo esizweni sonke, wayala ukuba abantu bakhishwe isikhashana;

[35] e lhes disse: Israelitas, atentai bem no que ides fazer a estes homens.

[35]wayesethi kubo: Madoda akwa-Israyeli, qaphelani kulokho enizakukwenza kulaba bantu.

[36] Porque, antes destes dias, se levantou Teudas, insinuando ser ele alguma coisa, ao qual se agregaram cerca de

[36]Ngokuba ngaphambi kwalezi zinsuku kwasuka uThewuda ezishaya omkhulu; kwanamathela kuye amadoda angathi

quatrocentos homens; mas ele foi morto, e todos quantos lhe prestavam obediência se dispersaram e deram em nada.

amakhulu amane; wabulawa yena nabo bonke abamlalelayo, bachitheka, baphela.

[37] Depois desse, levantou-se Judas, o galileu, nos dias do recenseamento, e levou muitos consigo; também este pereceu, e todos quantos lhe obedeciam foram dispersos.

[37]Emva kwalowo kwasuka uJuda waseGalile ezinsukwini zokubhalwa; wahlubukisa abantu ukuba bamlandele; nalowo wabhubha, nabo bonke abamlalelayo bahlakazeka.

[38] Agora, vos digo: dai de mão a estes homens, deixai-os; porque, se este conselho ou esta obra vem de homens, perecerá;

[38]Manje-ke ngithi kini: Dedani kulaba bantu, nibayeke, ngokuba uma leli su nalo msebenzi kuvela kubantu, kuyakuchitheka;

[39] mas, se é de Deus, não podereis destruí-los, para que não sejais, porventura, achados lutando contra Deus. E concordaram com ele.

[39] kepha uma kuvela kuNkulunkulu, aniyikuba namandla okubachitha, funa mhlawumbe nifunyanwe ningabalwayo noNkulunkulu. Bamvumela-ke.

[40] Chamando os apóstolos, açoitaram-nos e, ordenando-lhes que não falassem em o nome de Jesus, os soltaram.

[40]Base bebabiza abaphostoli, babashaya, babayala ngokuthi bangakhulumi ngegama likaJesu, babakhulula.

[41] E eles se retiraram do Sinédrio regozijando-se por terem sido considerados dignos de sofrer afrontas por esse Nome.

[41] Khona basuka phambi komphakathi bethokoza, ngokuba bebefanele ukudunyazwa ngenxa yalelo gama;

[42] E todos os dias, no templo e de casa em casa, não cessavam de ensinar e de pregar Jesus, o Cristo.

[42]abayekanga ukufundisa nokushumayela ivangeli ngoJesu Kristu imihla yonke ethempelini nasemakhaya.

Atos 6

A instituição dos diáconos

[1] Ora, naqueles dias, multiplicando-se o número dos discípulos, houve murmuração dos helenistas contra os hebreus, porque as viúvas deles estavam sendo esquecidas na distribuição diária.

IzEnzo 6

Amadoda ayisikhombisa akhethwa ukuba aphathe abampofu

[1] Kwathi ngaleyo mihla abafundi sebanda, kwavela ukukhonona kubaJuda abakhuluma isiGreki ngamaHeberu ngokuthi abafelokazi bakubo bayancishwa ekwabelweni kwemihla ngemihla.

[2] Então, os doze convocaram a comunidade dos discípulos e disseram: Não é razoável que nós abandonemos a palavra de Deus para servir às mesas.
[3] Mas, irmãos, escolhei dentre vós sete homens de boa reputação, cheios do Espírito e de sabedoria, aos quais encarregaremos deste serviço;
[4] e, quanto a nós, nos consagraremos à oração e ao ministério da palavra.

[5] O parecer agradou a toda a comunidade; e elegeram Estêvão, homem cheio de fé e do Espírito Santo, Filipe, Prócoro, Nicanor, Timão, Pármenas e Nicolau, prosélito de Antioquia.

[6] Apresentaram-nos perante os apóstolos, e estes, orando, lhes impuseram as mãos.
[7] Crescia a palavra de Deus, e, em Jerusalém, se multiplicava o número dos discípulos; também muitíssimos sacerdotes obedeciam à fé.

Estêvão perante o Sinédrio

[8] Estêvão, cheio de graça e poder, fazia prodígios e grandes sinais entre o povo.

[9] Levantaram-se, porém, alguns dos que eram da sinagoga chamada dos Libertos, dos cireneus, dos alexandrinos e dos da Cilícia e Ásia, e discutiam com Estêvão;

[10] e não podiam resistir à sabedoria e ao Espírito, pelo qual ele falava.

[2]Abayishumi nambili base bebiza ibandla labafundi, bathi: Akukuhle ukuba thina sishiye izwi likaNkulunkulu, sikhonze ematafuleni.
[3] Funani-ke phakathi kwenu bazalwane amadoda ayisikhombisa anodumo oluhle, agcwele uMoya nokuhlakanipha, esingawamisela lowo msebenzi.
[4]Kepha thina sizakuqinisela ekukhulekeni nasenkonzweni yezwi.
[5] Leli zwi laba lihle kulo lonke ibandla; base bekhetha uStefanu, umuntu owayegcwele ukukholwa noMoya oNgcwele, noFiliphu, noProkhoro, noNikanori, noThimoni, noPharmena, noNikolawu, iproselite lase-Antiyokiya,
[6] babamisa phambi kwabaphostoli; bakhuleka, babeka izandla phezu kwabo.
[7] Izwi likaNkulunkulu landa, umumo wabafundi wakhula eJerusalema, nesixuku esikhulu sabapristi salalela inkolo.

UStefanu umangalelwa emphakathini

[8] Kepha uStefanu egcwele umusa namandla wenza izimangaliso nezibonakaliso ezinkulu phakathi kwabantu.
[9]Kwase kusuka abanye besinagoge elithiwa elabaLibertino, nabaseKhurene, nabase-Aleksandriya, nabavela eKhilikhiya nase-Asiya, baphikisana noStefanu;
[10] kepha babengenamandla okumelana nokuhlakanipha noMoya ayekhuluma ngakho.

[11] Então, subornaram homens que dissessem: Temos ouvido este homem proferir blasfêmias contra Moisés e contra Deus.
[12] Sublevaram o povo, os anciãos e os escribas e, investindo, o arrebataram, levando-o ao Sinédrio.
[13] Apresentaram testemunhas falsas, que depuseram: Este homem não cessa de falar contra o lugar santo e contra a lei;
[14] porque o temos ouvido dizer que esse Jesus, o Nazareno, destruirá este lugar e mudará os costumes que Moisés nos deu.
[15] Todos os que estavam assentados no Sinédrio, fitando os olhos em Estêvão, viram o seu rosto como se fosse rosto de anjo.

Atos 7

A defesa de Estêvão

[1] Então, lhe perguntou o sumo sacerdote: Porventura, é isto assim?

[2] Estêvão respondeu: Varões irmãos e pais, ouvi. O Deus da glória apareceu a Abraão, nosso pai, quando estava na Mesopotâmia, antes de habitar em Harã,

[3] e lhe disse: Sai da tua terra e da tua parentela e vem para a terra que eu te mostrarei.

[4] Então, saiu da terra dos caldeus e foi habitar em Harã. E dali, com a morte de seu pai, Deus o trouxe para esta terra em que vós agora habitais.

[11] Khona bathenga amadoda athi: Simzwile ekhuluma amazwi enhlamba ngoMose nangoNkulunkulu,

[12]bavusa abantu namalunga nababhali, bamvukela, bambamba, bamyisa emphakathini;

[13] bamisa ofakazi bamanga abathi: Lo muntu akayeki ukukhuluma amazwi ngale ndawo engcwele nangomthetho;

[14]ngokuba simzwile ethi uJesu lo waseNazaretha uzakuchitha le ndawo, aguqule imithetho asinika yona uMose.

[15]Kwathi bemgqolozela bonke ababehlezi emphakathini, babona ubuso bakhe kungathi ubuso bengelosi.

IzEnzo 7

Ukuziphendulela kukaStefanu

[1]Umpristi omkhulu wayesethi: Nembala lokhu kunjalo na?

[2] Yena wathi: Madoda, bazalwane, nani bobaba, lalelani. UNkulunkulu wenkazimulo wabonakala kubaba u-Abrahama eseMesopotamiya, engakakhi eHarana,

[3]wathi kuye: Phuma ezweni lakini nasezihlotsheni zakho, uye ezweni engizakukukhombisa lona.

[4] Khona waphuma ezweni lamaKaledi, waya wakha eHarana. Kwathi esefile uyise, uNkulunkulu wamsusa lapho, wamhlalisa kuleli zwe enakhe kulo nina manje.

[5] Nela, não lhe deu herança, nem sequer o espaço de um pé; mas prometeu dar-lhe a posse dela e, depois dele, à sua descendência, não tendo ele filho.

[6] E falou Deus que a sua descendência seria peregrina em terra estrangeira, onde seriam escravizados e maltratados por quatrocentos anos;

[7] eu, disse Deus, julgarei a nação da qual forem escravos; e, depois disto, sairão daí e me servirão neste lugar.

[8] Então, lhe deu a aliança da circuncisão; assim, nasceu Isaque, e Abraão o circuncidou ao oitavo dia; de Isaque procedeu Jacó, e deste, os doze patriarcas.

[9] Os patriarcas, invejosos de José, venderam-no para o Egito; mas Deus estava com ele

[10] e livrou-o de todas as suas aflições, concedendo-lhe também graça e sabedoria perante Faraó, rei do Egito, que o constituiu governador daquela nação e de toda a casa real.

[11] Sobreveio, porém, fome em todo o Egito; e, em Canaã, houve grande tribulação, e nossos pais não achavam mantimentos.

[12] Mas, tendo ouvido Jacó que no Egito havia trigo, enviou, pela primeira vez, os nossos pais.

[5] Kepha akamnikanga ifa kulo, ngisho nelingangonyawo, wathembisa kodwa ukuthi uzakumnika lona libe ngelakhe nelenzalo yakhe emva kwakhe, engakabi namntwana.

[6]UNkulunkulu wakhuluma kanje, wathi: Inzalo yakhe izakuba ngumfokazi ezweni lezizwe; bayakuyenza izigqila, bayiphathe kabi iminyaka engamakhulu amane.

[7] Kepha leso sizwe abayakuba yizigqila kuso ngiyakusahlulela mina, washo uNkulunkulu, andukuba baphume, bangikhonze kule ndawo.

[8] Wayesemnika isivumelwano sokusoka; kanjalo-ke wazala u-Isaka, wamsoka ngosuku lwesishiyagalombili; u-Isaka wazala uJakobe, uJakobe wazala okhokho abayishumi nambili.

[9] Okhokho baba nomhawu ngoJosefa, bathengisa ngaye, wasiwa eGibithe; kodwa uNkulunkulu wayenaye,

[10] wamkhipha kuzo zonke izinhlupheko zakhe, wamupha umusa nokuhlakanipha phambi kukaFaro inkosi yaseGibithe; yena wammisa abe ngumbusi eGibithe nakuyo yonke indlu yakhe.

[11] Kepha kwafika indlala kulo lonke iGibithe nakwaKhanani, nokuhlupheka okukhulu; obaba kabafumana ukudla.

[12] UJakobe esezwile ukuthi kukhona ukudla eGibithe, wathuma obaba ngokokuqala;

[13] Na segunda vez, José se fez reconhecer por seus irmãos, e se tornou conhecida de Faraó a família de José.

[14] Então, José mandou chamar a Jacó, seu pai, e toda a sua parentela, isto é, setenta e cinco pessoas.

[15] Jacó desceu ao Egito, e ali morreu ele e também nossos pais;

[16] e foram transportados para Siquém e postos no sepulcro que Abraão ali comprara a dinheiro aos filhos de Hamor.

[17] Como, porém, se aproximasse o tempo da promessa que Deus jurou a Abraão, o povo cresceu e se multiplicou no Egito,

[18] até que se levantou ali outro rei, que não conhecia a José.

[19] Este outro rei tratou com astúcia a nossa raça e torturou os nossos pais, a ponto de forçá-los a enjeitar seus filhos, para que não sobrevivessem.

[20] Por esse tempo, nasceu Moisés, que era formoso aos olhos de Deus. Por três meses, foi ele mantido na casa de seu pai;

[21] quando foi exposto, a filha de Faraó o recolheu e criou como seu próprio filho.

[22] E Moisés foi educado em toda a ciência dos egípcios e era poderoso em palavras e obras.

[23] Quando completou quarenta anos, veio-lhe a idéia de visitar seus irmãos, os filhos de Israel.

[13] kwathi ngokwesibili uJosefa waziwa ngabafowabo; kwabonakala kuFaro isizwe sakubo kaJosefa.

[14] UJosefa wayesethumela wabiza uJakobe uyise nabakubo bonke, abantu abangamashumi ayisikhombisa nanhlanu.

[15] UJakobe wehlela eGibithe; wafa yena nawobaba.

[16]Bayiswa eSikemi, babekwa ethuneni alithenga u-Abrahama ngenani lesiliva kumadodana kaHamori eSikemi.

[17] Kepha sesisondele isikhathi sesithembiso uNkulunkulu asisho ku-Abrahama, banda abantu, baba baningi eGibithe,

[18]kwaze kwavela enye inkosi eGibithe ebingamazi uJosefa.

[19]Yona yasiphatha ngobuqili isizwe sakithi, yabahlupha obaba ngokubalahlisa izingane zabo zingaphili.

[20] Ngaleso sikhathi kwazalwa uMose, waba muhle kuNkulunkulu; wondliwa izinyanga ezintathu endlini kayise;

[21] eselahliwe, indodakazi kaFaro yamthola, yazondlela yena ukuba abe yindodana yayo.

[22]UMose wafundiswa ukuhlakanipha konke kwabaseGibithe; waba namandla ngamazwi nangemisebenzi yakhe.

[23] Kuthe eseneminyaka engamashumi amane ezelwe, kwafika enhliziyweni yakhe ukuba abamele abafowabo, abantwana bakwa-Israyeli.

[24] Vendo um homem tratado injustamente, tomou-lhe a defesa e vingou o oprimido, matando o egípcio.
[25] Ora, Moisés cuidava que seus irmãos entenderiam que Deus os queria salvar por intermédio dele; eles, porém, não compreenderam.
[26] No dia seguinte, aproximou-se de uns que brigavam e procurou reconduzi-los à paz, dizendo: Homens, vós sois irmãos; por que vos ofendeis uns aos outros?

[27] Mas o que agredia o próximo o repeliu, dizendo: Quem te constituiu autoridade e juiz sobre nós?

[28] Acaso, queres matar-me, como fizeste ontem ao egípcio?

[29] A estas palavras Moisés fugiu e tornou-se peregrino na terra de Midiã, onde lhe nasceram dois filhos.

[30] Decorridos quarenta anos, apareceu-lhe, no deserto do monte Sinai, um anjo, por entre as chamas de uma sarça que ardia.

[31] Moisés, porém, diante daquela visão, ficou maravilhado e, aproximando-se para observar, ouviu-se a voz do SENHOR:
[32] Eu sou o Deus dos teus pais, o Deus de Abraão, de Isaque e de Jacó. Moisés, tremendo de medo, não ousava contemplá-la.

[24]Wabona umuntu ephathwa kabi, wamvikela, wamphindisela ohlushwayo, wambulala owaseGibithe.
[25]Ubethemba ukuthi abafowabo bayakuqonda ukuthi uNkulunkulu ubanika ukusindiswa ngesandla sakhe; kepha abakuqondanga.
[26]Nangangomuso wafika kubo belwa, wazama ukubalamula, babuyisane, wathi: Madoda, ningabazalwane; niphathanelani kabi na?
[27] Kepha lowo owayemona umakhelwane wakhe wamhlohloloza wathi: Ubekwe ngubani ube ngumbusi nomahluleli phezu kwethu na?
[28]Usufuna ukungibulala nami, njengalokho ubulele owaseGibithe izolo na?
[29]Khona uMose wabaleka ngenxa yalelo zwi, waba ngumfokazi ezweni lakwaMidiyani, lapho azala khona amadodana amabili.
[30] Kwathi sekuphelele iminyaka engamashumi amane, kwabonakala kuye ehlane lentaba yaseSinayi ingelosi iselangabini lomlilo esihlahleni.
[31]UMose ekubona wamangala ngalowo mbono; esasondela ukuba abhekisise, kwafika izwi leNkosi, lathi:
[32] NginguNkulunkulu wawoyihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka nokaJakobe. UMose wathuthumela, akaba nasibindi sokubhekisisa.

[33] Disse-lhe o SENHOR: Tira a sandália dos pés, porque o lugar em que estás é terra santa.

[34] Vi, com efeito, o sofrimento do meu povo no Egito, ouvi o seu gemido e desci para libertá-lo. Vem agora, e eu te enviarei ao Egito.

[35] A este Moisés, a quem negaram reconhecer, dizendo: Quem te constituiu autoridade e juiz? A este enviou Deus como chefe e libertador, com a assistência do anjo que lhe apareceu na sarça.

[36] Este os tirou, fazendo prodígios e sinais na terra do Egito, assim como no mar Vermelho e no deserto, durante quarenta anos.

[37] Foi Moisés quem disse aos filhos de Israel: Deus vos suscitará dentre vossos irmãos um profeta semelhante a mim.

[38] É este Moisés quem esteve na congregação no deserto, com o anjo que lhe falava no monte Sinai e com os nossos pais; o qual recebeu palavras vivas para no-las transmitir.

[39] A quem nossos pais não quiseram obedecer; antes, o repeliram e, no seu coração, voltaram para o Egito,

[40] dizendo a Arão: Faze-nos deuses que vão adiante de nós; porque, quanto a este Moisés, que nos tirou da terra do Egito, não sabemos o que lhe aconteceu.

[33] INkosi yayisithi kuye: Khumula izicathulo ezinyaweni zakho, ngokuba indawo omi kuyo ingumhlabathi ongcwele.

[34]Ngikubonile nokukubona ukuhlushwa kwesizwe sami esiseGibithe, ngizwile ukububula kwaso; sengehlile ukuba ngibakhiphe. Woza kalokhu, ngizakukuthumela eGibithe.

[35] UMose lowo abamalayo bethi: Ubekwe ngubani ube ngumbusi nomahluleli na? nguyena amthumayo uNkulunkulu ngesandla sengelosi eyabonakala kuye esihlahleni, abe ngumbusi nomhlengi.

[36] Yena lowo wabakhipha enza izimangaliso nezibonakaliso ezweni laseGibithe, naseLwandle Olubomvu, nasehlane iminyaka engamashumi amane.

[37] Nguye uMose lowo owathi kubantwana bakwa-Israyeli: UNkulunkulu uyakunivusela umprofethi kubafowenu onjengami.

[38]Nguye lowo owayesebandleni ehlane kanye nengelosi eyakhuluma naye entabeni yaseSinayi kanye nawobaba, nowamukela amazwi okuphila, ukuze aninike wona.

[39] Kepha obaba abavumanga ukumlalela, kodwa bamhlohloloza, babuyela emuva eGibithe ngezinhliziyo zabo,

[40] bathi ku-Aroni: Senzele onkulunkulu abazakuhamba phambi kwethu; ngokuba uMose lowo owasikhipha ezweni laseGibithe, asazi ukuba wehlelwe yini.

[41] Naqueles dias, fizeram um bezerro e ofereceram sacrifício ao ídolo, alegrando-se com as obras das suas mãos.

[42] Mas Deus se afastou e os entregou ao culto da milícia celestial, como está escrito no Livro dos Profetas: Ó casa de Israel, porventura, me oferecestes vítimas e sacrifícios no deserto, pelo espaço de quarenta anos,

[43] e, acaso, não levantastes o tabernáculo de Moloque e a estrela do deus Renfã, figuras que fizestes para as adorar? Por isso, vos desterrarei para além da Babilônia.

[44] O tabernáculo do Testemunho estava entre nossos pais no deserto, como determinara aquele que disse a Moisés que o fizesse segundo o modelo que tinha visto.

[45] O qual também nossos pais, com Josué, tendo-o recebido, o levaram, quando tomaram posse das nações que Deus expulsou da presença deles, até aos dias de Davi.

[46] Este achou graça diante de Deus e lhe suplicou a faculdade de prover morada para o Deus de Jacó.

[47] Mas foi Salomão quem lhe edificou a casa.

[48] Entretanto, não habita o Altíssimo em casas feitas por mãos humanas; como diz o profeta:

[49] O céu é o meu trono, e a terra, o estrado dos meus pés; que casa me edificareis, diz

[41]Benza ithole ngaleyo mihla, baletha umhlatshelo esithombeni, bajabula ngemisebenzi yezandla zabo.

[42] Kepha uNkulunkulu wabafulathela, wabadedela ukuba bakhonze ibandla lezulu, njengokuba kulotshiwe encwadini yabaprofethi ukuthi: Naningilethela iminikelo nemihlatshelo iminyaka engamashumi amane ehlane nina ndlu ka-Israyeli na?

[43]Qha, nathatha itende likaMoloki nenkanyezi kankulunkulu uRemfani, imifanekiso enayenza ukuba nikhuleke kuyo. Ngiyakunimukisela ngaphambili kweBabiloni.

[44] Kwakukhona itende lobufakazi kobaba ehlane njengalokho akuyalayo yena owakhuluma noMose ukuba alenze ngomfanekiso abewubonile;

[45] obaba benoJoshuwa balamukela, balingenisa ezweni lezizwe azixoshayo uNkulunkulu ebusweni bawobaba, kwaze kwaba semihleni kaDavide

[46] owathola umusa ebusweni bukaNkulunkulu, wacela ukufunela uNkulunkulu kaJakobe idokodo.

[47] Kepha nguSolomoni owamakhela indlu.

[48] Kodwa oPhezukonke akahlali ezindlini ezenziwe ngezandla njengokusho komprofethi ukuthi:

[49] Izulu liyisihlalo sami sobukhosi, nomhlaba uyisenabelo sezinyawo zami;

o SENHOR, ou qual é o lugar do meu repouso?

[50] Não foi, porventura, a minha mão que fez todas estas coisas?

[51] Homens de dura cerviz e incircuncisos de coração e de ouvidos, vós sempre resistis ao Espírito Santo; assim como fizeram vossos pais, também vós o fazeis.

[52] Qual dos profetas vossos pais não perseguiram? Eles mataram os que anteriormente anunciavam a vinda do Justo, do qual vós agora vos tornastes traidores e assassinos,

[53] vós que recebestes a lei por ministério de anjos e não a guardastes.

A morte de Estêvão

[54] Ouvindo eles isto, enfureciam-se no seu coração e rilhavam os dentes contra ele.

[55] Mas Estêvão, cheio do Espírito Santo, fitou os olhos no céu e viu a glória de Deus e Jesus, que estava à sua direita,

[56] e disse: Eis que vejo os céus abertos e o Filho do Homem, em pé à destra de Deus.

[57] Eles, porém, clamando em alta voz, taparam os ouvidos e, unânimes, arremeteram contra ele.

[58] E, lançando-o fora da cidade, o apedrejaram. As testemunhas deixaram suas vestes aos pés de um jovem chamado Saulo.

[59] E apedrejavam Estêvão, que invocava e dizia: SENHOR Jesus, recebe o meu espírito!

ngenjani indlu eniyakungakhela yona, isho iNkosi, noma yiyiphi indawo yami yokuphumula na?

[50]Isandla sami asikwenzanga konke lokho na?

[51] Nina bantamo zilukhuni, abangasokile ezinhliziyweni nasezindlebeni, nimelana njalo noMoya oNgcwele; njengoyihlo ninjalo nani.

[52] Ngumuphi kubaprofethi oyihlo abangamzingelanga na? Bababulala ababememezela ngaphambili ukuza koLungileyo, eseningabakhapheli nababulali bakhe,

[53] nina enamukela umthetho ngokuyala kwezingelosi, kepha aniwugcinanga.

Ukufa kukaStefanu

[54] Kwathi bekuzwa lokho, bahlabeka ezinhliziyweni, bamgugudela amazinyo.

[55] Kepha yena egcwele uMoya oNgcwele wagqolozela ezulwini, wabona inkazimulo kaNkulunkulu, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu,

[56] wathi: Bheka, ngibona izulu livuliwe, neNdodana yomuntu imi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

[57]Base bekhamuluka ngezwi elikhulu, bavala izindlebe, batheleka kuye kanyekanye,

[58] bamkhiphela ngaphandle komuzi, bamkhanda ngamatshe. Ofakazi babeka izingubo zabo ngasezinyaweni zensizwa egama layo linguSawulu.

[59] UStefanu bamkhanda ngamatshe ekhuleka ethi: Nkosi Jesu, yamukela umoya wami.

[60] Então, ajoelhando-se, clamou em alta voz: SENHOR, não lhes imputes este pecado! Com estas palavras, adormeceu.

Atos 8

[1] E Saulo consentia na sua morte.

A primeira perseguição à igreja
Atos 26.9-11

Naquele dia, levantou-se grande perseguição contra a igreja em Jerusalém; e todos, exceto os apóstolos, foram dispersos pelas regiões da Judéia e Samaria.

[2] Alguns homens piedosos sepultaram Estêvão e fizeram grande pranto sobre ele.

[3] Saulo, porém, assolava a igreja, entrando pelas casas; e, arrastando homens e mulheres, encerrava-os no cárcere.

Filipe prega em Samaria

[4] Entrementes, os que foram dispersos iam por toda parte pregando a palavra.

[5] Filipe, descendo à cidade de Samaria, anunciava-lhes a Cristo.

[6] As multidões atendiam, unânimes, às coisas que Filipe dizia, ouvindo-as e vendo os sinais que ele operava.

[7] Pois os espíritos imundos de muitos possessos saíam gritando em alta voz; e muitos paralíticos e coxos foram curados.

[8] E houve grande alegria naquela cidade.

Simão, o mágico

[9] Ora, havia certo homem, chamado Simão, que ali praticava a mágica,

[60] Wayeseguqa phansi, wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Nkosi, ungababaleli lesi sono. Eseshilo lokho walala ubuthongo.

IzEnzo 8

USawulu uzingela amakholwa

[1] Kepha uSawulu wayevumelene nabo ngokubulawa kwakhe. Ngalolo suku kwavela ukuzingelwa okukhulu kwebandla laseJerusalema; bahlakazeka bonke emazweni aseJudiya naseSamariya; kwasala abaphostoli bodwa.

[2]Amadoda akholwayo ammbela uStefanu, amkhalela isililo esikhulu.

[3] Kepha uSawulu walichitha ibandla, engena ezindlini ngezindlu, ehudula abesilisa nabesifazane, wabafaka etilongweni.

UFiliphu ushumayela eSamariya

[4] Abahlakazekileyo base behamba, beshumayela izwi levangeli.

[5]UFiliphu wehlela emzini waseSamariya, wabashumayeza uKristu.

[6]Izixuku zalalela nganhliziyonye okwakhulunywa nguFiliphu, zizwa, zibona izibonakaliso azenzayo.

[7] Ngokuba kwaphuma omoya abangcolileyo kwabaningi abakhwelwa yibo, bememeza ngezwi elikhulu; nabaningi abafe uhlangothi nabayizinyonga baphulukiswa;

[8] kwaba khona ukuthokoza okukhulu kulowo muzi.

USimoni oyisanusi

[9] Kepha kwakukhona indoda ethile, nguSimoni igama layo, eyayikade yenza

iludindo o povo de Samaria, insinuando ser ele grande vulto;

imilingo kulowo muzi, isimangalisa isizwe saseSamariya, izishaya umuntu omkhulu;

[10] ao qual todos davam ouvidos, do menor ao maior, dizendo: Este homem é o poder de Deus, chamado o Grande Poder.

[10]banamathela kuye bonke kusukela kwabancinyane kuze kube kwabakhulu, bethi: Lo ungamandla kaNkulunkulu abizwa ngokuthi Makhulu,

[11] Aderiam a ele porque havia muito os iludira com mágicas.

[11]babenamathela kuye, ngokuba ebamangalisile isikhathi eside ngemilingo yakhe.

[12] Quando, porém, deram crédito a Filipe, que os evangelizava a respeito do reino de Deus e do nome de Jesus Cristo, iam sendo batizados, assim homens como mulheres.

[12]Kepha bathi ukuba bakholwe nguFiliphu eshumayela ivangeli ngombuso kaNkulunkulu nangegama likaJesu Kristu, babhapathizwa abesilisa nabesifazane.

[13] O próprio Simão abraçou a fé; e, tendo sido batizado, acompanhava a Filipe de perto, observando extasiado os sinais e grandes milagres praticados.

[13]Naye uSimoni wakholwa; wathi esebhapathiziwe, wanamathela kuFiliphu, wamangala ebona izibonakaliso nemisebenzi emikhulu yamandla eyenziwayo.

Pedro e João em Samaria

[14] Ouvindo os apóstolos, que estavam em Jerusalém, que Samaria recebera a palavra de Deus, enviaram-lhe Pedro e João;

[14]Kwathi ukuba abaphostoli baseJerusalema bezwe ukuthi iSamariya lilamukele izwi likaNkulunkulu, bathumela kubo oPetru noJohane;

[15] os quais, descendo para lá, oraram por eles para que recebessem o Espírito Santo;

[15]sebehlele khona babakhulekela ukuba bamukele uMoya oNgcwele,

[16] porquanto não havia ainda descido sobre nenhum deles, mas somente haviam sido batizados em o nome do SENHOR Jesus.

[16]ngokuba wayengakehleli nakoyedwa kubo; kodwa babesabhapathiziwe egameni leNkosi uJesu kuphela.

[17] Então, lhes impunham as mãos, e recebiam estes o Espírito Santo.

[17]Khona babeka izandla phezu kwabo; base bamukela-ke uMoya oNgcwele.

[18] Vendo, porém, Simão que, pelo fato de imporem os apóstolos as mãos, era concedido o Espírito [Santo], ofereceu-lhes dinheiro,

[18]Kepha uSimoni, ebonile ukuthi ngokubekwa kwezandla zabaphostoli uyaphiwa uMoya, waletha imali kubo,

[19] propondo: Concedei-me também a mim este poder, para que aquele sobre quem eu impuser as mãos receba o Espírito Santo.
[20] Pedro, porém, lhe respondeu: O teu dinheiro seja contigo para perdição, pois julgaste adquirir, por meio dele, o dom de Deus.
[21] Não tens parte nem sorte neste ministério, porque o teu coração não é reto diante de Deus.

[22] Arrepende-te, pois, da tua maldade e roga ao SENHOR; talvez te seja perdoado o intento do coração;

[23] pois vejo que estás em fel de amargura e laço de iniqüidade.

[24] Respondendo, porém, Simão lhes pediu: Rogai vós por mim ao SENHOR, para que nada do que dissestes sobrevenha a mim.

[25] Eles, porém, havendo testificado e falado a palavra do SENHOR, voltaram para Jerusalém e evangelizavam muitas aldeias dos samaritanos.

Filipe e o eunuco

[26] Um anjo do SENHOR falou a Filipe, dizendo: Dispõe-te e vai para o lado do Sul, no caminho que desce de Jerusalém a Gaza; este se acha deserto. Ele se levantou e foi.
[27] Eis que um etíope, eunuco, alto oficial de Candace, rainha dos etíopes, o qual era superintendente de todo o seu tesouro, que viera adorar em Jerusalém,

[19]wathi: Ngipheni nami lawo mandla, ukuze yilowo nalowo engibeka izandla phezu kwakhe amukele uMoya oNgcwele.
[20] Kepha uPetru wathi kuye: Isiliva lakho malibhubhe kanye nawe, ngokuba uthi isipho sikaNkulunkulu singathengwa ngemali.
[21]Awunasabelo nalifa kuleli zwi, ngokuba inhliziyo yakho ayilungile phambi kukaNkulunkulu.
[22]Ngakho-ke phenduka kulobu bubi bakho, unxuse eNkosini, ingabe ungathethelelwa yini isizindlo senhliziyo yakho,
[23]ngokuba ngiyabona ukuthi usenyongweni ebabayo nasekuboshweni kokubi.
[24]USimoni wayesephendula ethi: Nginxuseleni nina eNkosini, ukuze kungehleli lutho kimi lwalokho enikushiloyo.
[25]Kuthe sebefakazile, belikhulumile izwi leNkosi, babuyela eJerusalema, bashumayela ivangeli emizaneni eminingi yabaseSamariya.

Ukuphenduka kwenduna yase-Etiyopiya

[26]Kepha ingelosi yeNkosi yakhuluma kuFiliphu, yathi: Suka uye ngaseningizimu endleleni ephuma eJerusalema ehlela eGaza; yona iyihlane.
[27] Wayesesuka wahamba. Bheka, nansi indoda yase-Etiyopiya, umthenwa, isikhulu sikaKhandakhe inkosikazi yase-Etiyopiya, ebiphezu kwengcebo yayo

yonke, ebifikile eJerusalema izakukhuleka;

[28] estava de volta e, assentado no seu carro, vinha lendo o profeta Isaías.

[28]ibisibuya, ihlezi enqoleni yayo, ifunda umprofethi u-Isaya.

[29] Então, disse o Espírito a Filipe: Aproxima-te desse carro e acompanha-o.

[29]UMoya wathi kuFiliphu: Sondela, unamathele kuleyo nqola.

[30] Correndo Filipe, ouviu-o ler o profeta Isaías e perguntou: Compreendes o que vens lendo?

[30]UFiliphu wayesegijimela kuyo, wayizwa ifunda umprofethi u-Isaya, wathi: Uyakuqonda kambe lokhu okufundayo na?

[31] Ele respondeu: Como poderei entender, se alguém não me explicar? E convidou Filipe a subir e a sentar-se junto a ele.

[31]Yona yathi: Ngingakwazi kanjani, uma kungekho ongiholayo na? Yamnxusa uFiliphu ukuba akhwele ahlale nayo.

[32] Ora, a passagem da Escritura que estava lendo era esta: Foi levado como ovelha ao matadouro; e, como um cordeiro mudo perante o seu tosquiador, assim ele não abriu a boca.

[32] Kepha isahlukwana sombhalo ebisifunda yilesi esithi: Wayiswa ekuhlatshweni njengemvu; njengewundlu elithule phambi komgundi walo kanjalo kawuvulanga umlomo wakhe.

[33] Na sua humilhação, lhe negaram justiça; quem lhe poderá descrever a geração? Porque da terra a sua vida é tirada.

[33]Ekuthobeleni kwakhe ukwahlulelwa kwakhe kwasuswa. Ngubani ongalanda ngesizukulwane sakhe na? Ngokuba ukuphila kwakhe kuyasuswa emhlabeni.

[34] Então, o eunuco disse a Filipe: Peço-te que me expliques a quem se refere o profeta. Fala de si mesmo ou de algum outro?

[34]Kepha umthenwa wathatha wathi kuFiliphu: Ngiyacela, umprofethi ukhuluma lokho ngobani na? Uzisho yena noma omunye na?

[35] Então, Filipe explicou; e, começando por esta passagem da Escritura, anunciou-lhe a Jesus.

[35]UFiliphu wavula umlomo wakhe, eqala kulowo mbhalo washumayela ivangeli ngoJesu.

[36] Seguindo eles caminho fora, chegando a certo lugar onde havia água, disse o eunuco: Eis aqui água; que impede que seja eu batizado?

[36]Kwathi besahamba endleleni, bafika emanzini. Umthenwa wathi: Bheka, nanka amanzi; kwalani ukuba ngibhapathizwe na?

[37] [Filipe respondeu: É lícito, se crês de todo o coração. E, respondendo ele, disse: Creio que Jesus Cristo é o Filho de Deus.]

[37]UFiliphu wathi kuye: Uma ukholwa ngenhliziyo yonke, kungenziwa. Waphendula wathi: Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu.

[38] Então, mandou parar o carro, ambos desceram à água, e Filipe batizou o eunuco.

[38]Wayala ukuba inqola ime. Behlela emanzini bobabili, uFiliphu nomthenwa; wambhapathiza.

[39] Quando saíram da água, o Espírito do SENHOR arrebatou a Filipe, não o vendo mais o eunuco; e este foi seguindo o seu caminho, cheio de júbilo.

[39] Kwathi sebekhuphukile emanzini, uMoya weNkosi wamhlwitha uFiliphu, umthenwa akabe esambona, kodwa wahamba ngendlela yakhe ethokoza.

[40] Mas Filipe veio a achar-se em Azoto; e, passando além, evangelizava todas as cidades até chegar a Cesaréia.

[40] Kepha uFiliphu wafunyanwa e-Azotu, wahamba eshumayela ivangeli kuyo yonke imizi, waze wafika eKesariya.

Atos 9

A conversão de Saulo

Atos 22.4-11; 26.9-18

IzEnzo 9

Ukuphenduka nokubhapathizwa kukaSawulu

[1] Saulo, respirando ainda ameaças e morte contra os discípulos do SENHOR, dirigiu-se ao sumo sacerdote

[1] Kepha uSawulu esafutha ngokusongela nokubulala abafundi beNkosi, waya kumpristi omkhulu,

[2] e lhe pediu cartas para as sinagogas de Damasco, a fim de que, caso achasse alguns que eram do Caminho, assim homens como mulheres, os levasse presos para Jerusalém.

[2]wacela kuye izincwadi zokuya eDamaseku emasinagogeni, kuze kuthi uma efumana abantu baleyo Ndlela, abesilisa nabesifazane, abayise eJerusalema beboshiwe.

[3] Seguindo ele estrada fora, ao aproximar-se de Damasco, subitamente uma luz do céu brilhou ao seu redor,

[3]Kepha ekuhambeni kwakhe, esesondela eDamaseku, kwambaneka masinyane nxazonke ukukhanya okuvela ezulwini.

[4] e, caindo por terra, ouviu uma voz que lhe dizia: Saulo, Saulo, por que me persegues?

[4]Wawa phansi emhlabathini, wezwa izwi lithi kuye: Sawulu, Sawulu, ungizingelelani na? Kulukhuni kuwe ukukhahlela ezinkandini.

[5] Ele perguntou: Quem és tu, SENHOR? E a resposta foi: Eu sou Jesus, a quem tu persegues;

[5]Wayesethi: Ungubani, Nkosi? Yathi: Mina nginguJesu omzingelayo wena;

[6] mas levanta-te e entra na cidade, onde te dirão o que te convém fazer.

[6]kodwa vuka ungene emzini, uzakutshelwa lokhu omelwe ukukwenza.

[7] Os seus companheiros de viagem pararam emudecidos, ouvindo a voz, não vendo, contudo, ninguém.

[7]Kepha amadoda ayehamba naye ayemi engenakukhuluma, ngokuba ezwa izwi kodwa ayengaboni muntu.

[8] Então, se levantou Saulo da terra e, abrindo os olhos, nada podia ver. E, guiando-o pela mão, levaram-no para Damasco.

[8]USawulu wayesevuka phansi; kepha esevulile amehlo akhe, kabonanga lutho. Base bembamba ngesandla, bamyisa eDamaseku.

[9] Esteve três dias sem ver, durante os quais nada comeu, nem bebeu.

[9]Izinsuku zaba ntathu engaboni, engadli, engaphuzi.

A visita de Ananias

Atos 22.12-16

[10] Ora, havia em Damasco um discípulo chamado Ananias. Disse-lhe o SENHOR numa visão: Ananias! Ao que respondeu: Eis-me aqui, SENHOR!

[10]Kwakukhona eDamaseku umfundi othile, igama lakhe lingu-Ananiya; iNkosi yathi kuye ngombono: Ananiya! Yena wathi: Ngikhona, Nkosi.

[11] Então, o SENHOR lhe ordenou: Dispõe-te, e vai à rua que se chama Direita, e, na casa de Judas, procura por Saulo, apelidado de Tarso; pois ele está orando

[11]INkosi yayisithi kuye: Suka uye esitaladini esithiwa Siqondile, ufune endlini kaJuda umuntu ogama lakhe linguSawulu waseTarsu; ngokuba bheka, uyakhuleka;

[12] e viu entrar um homem, chamado Ananias, e impor-lhe as mãos, para que recuperasse a vista.

[12]ubonile indoda, igama layo lingu-Ananiya, ingena, ibeka izandla phezu kwakhe ukuba abone.

[13] Ananias, porém, respondeu: SENHOR, de muitos tenho ouvido a respeito desse homem, quantos males tem feito aos teus santos em Jerusalém;

[13]Kepha u-Ananiya waphendula wathi: Nkosi, ngizwile ngabaningi ngaleyo ndoda konke okubi ekwenzile kwabangcwele bakho eJerusalema;

[14] e para aqui trouxe autorização dos principais sacerdotes para prender a todos os que invocam o teu nome.

[14]nalapha unamandla avela kubapristi abakhulu okubopha bonke abakhuleka egameni lakho.

[15] Mas o SENHOR lhe disse: Vai, porque este é para mim um instrumento escolhido para levar o meu nome perante os gentios

[15] INkosi yayisithi kuye: Hamba, ngokuba lo uyisitsha sami esikhethiweyo sokuphatha igama lami phambi

e reis, bem como perante os filhos de Israel;

[16] pois eu lhe mostrarei quanto lhe importa sofrer pelo meu nome.

[17] Então, Ananias foi e, entrando na casa, impôs sobre ele as mãos, dizendo: Saulo, irmão, o SENHOR me enviou, a saber, o próprio Jesus que te apareceu no caminho por onde vinhas, para que recuperes a vista e fiques cheio do Espírito Santo.

[18] Imediatamente, lhe caíram dos olhos como que umas escamas, e tornou a ver. A seguir, levantou-se e foi batizado.

[19] E, depois de ter-se alimentado, sentiu-se fortalecido. Então, permaneceu em Damasco alguns dias com os discípulos.

Saulo prega em Damasco

[20] E logo pregava, nas sinagogas, a Jesus, afirmando que este é o Filho de Deus.

[21] Ora, todos os que o ouviam estavam atônitos e diziam: Não é este o que exterminava em Jerusalém os que invocavam o nome de Jesus e para aqui veio precisamente com o fim de os levar amarrados aos principais sacerdotes?

[22] Saulo, porém, mais e mais se fortalecia e confundia os judeus que moravam em Damasco, demonstrando que Jesus é o Cristo.

[23] Decorridos muitos dias, os judeus deliberaram entre si tirar-lhe a vida;

kwabezizwe, namakhosi, nabantwana bakwa-Israyeli,

[16] ngokuba mina ngizakumbonisa konke amelwe ukuhlushwa ngakho ngenxa yegama lami.

[17]Khona wahamba u-Ananiya, wangena endlini, wabeka izandla phezu kwakhe, wathi: Sawulu umzalwane, iNkosi uJesu eyabonakala kuwe endleleni oze ngayo, ingithumile ukuba ubuye ubone, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

[18]Kwawa masinyane emehlweni akhe kwangathi inkwethu, wabona, wasukuma, wabhapathizwa;

[19]esedlile wathola amandla.

USawulu ushumayela eDamaseku naseJerusalema

Wahlala nabafundi baseDamaseku izinsuku ezithile.

[20]Masinyane washumayela emasinagogeni ngoJesu ukuthi yena uyiNdodana kaNkulunkulu.

[21]Kepha bamangala bonke abezwayo, bathi: Lo asiye yini owachitha eJerusalema abakhuleka kulelo gama, nalapha uze ngalokhu ukuba abaqhube beboshiwe kubapristi abakhulu na?

[22] Kodwa uSawulu wakhula kakhulu emandleni, wahlula abaJuda abakhileyo eDamaseku eqinisa ukuthi lowo unguKristu.

[23] Sekudlule izinsuku eziningi, abaJuda benza icebo lokuba bambulale.

[24] porém o plano deles chegou ao conhecimento de Saulo. Dia e noite guardavam também as portas, para o matarem.

[25] Mas os seus discípulos tomaram-no de noite e, colocando-o num cesto, desceram-no pela muralha.

Saulo em Jerusalém e em Tarso

[26] Tendo chegado a Jerusalém, procurou juntar-se com os discípulos; todos, porém, o temiam, não acreditando que ele fosse discípulo.

[27] Mas Barnabé, tomando-o consigo, levou-o aos apóstolos; e contou-lhes como ele vira o SENHOR no caminho, e que este lhe falara, e como em Damasco pregara ousadamente em nome de Jesus.

[28] Estava com eles em Jerusalém, entrando e saindo, pregando ousadamente em nome do SENHOR.

[29] Falava e discutia com os helenistas; mas eles procuravam tirar-lhe a vida.

[30] Tendo, porém, isto chegado ao conhecimento dos irmãos, levaram-no até Cesaréia e dali o enviaram para Tarso.

A igreja cresce

[31] A igreja, na verdade, tinha paz por toda a Judéia, Galiléia e Samaria, edificando-se e caminhando no temor do SENHOR, e, no conforto do Espírito Santo, crescia em número.

A cura de Eneias

[32] Passando Pedro por toda parte, desceu também aos santos que habitavam em Lida.

[24] Kepha icebo labo laziwa nguSawulu. Babemhlalela nasemasangweni imini nobusuku ukuba bambulale.

[25]Abafundi base bemthatha ebusuku, bamehlisa ogangeni, bemewula ngeqoma.

[26] Esefikile eJerusalema wazama ukuzihlanganisa nabafundi; kepha bonke bamesaba, bengakholwa ukuthi ungumfundi.

[27]Kodwa uBarnaba wamthatha, wamyisa kubaphostoli, wabalandisa ngokuthi uyibonile iNkosi endleleni, nokuthi ikhulumile kuye, nokuthi eDamaseku wayeshumayele ngesibindi ngegama likaJesu.

[28]Wayenabo eJerusalema, engena ephuma, eshumayela ngesibindi ngegama leNkosi,

[29]ekhuluma ephikisana nabaJuda abakhuluma isiGreki; bona bazama ukumbulala.

[30] Abazalwane sebekwazi lokho bamehlisela eKesariya, bamthumela eTarsu.

[31]Njalo-ke ibandla laba nokuthula kulo lonke laseJudiya, naseGalile, naseSamariya, lakheka, lihamba ekwesabeni iNkosi, landa ngenduduzo kaMoya oNgcwele.

UPetru uphilisa u-Eneya

[32]Kwathi uPetru ehambela izindawo zonke, wehlela nakwabangcwele abakhe eLida.

[33] Encontrou ali certo homem, chamado Enéias, que havia oito anos jazia de cama, pois era paralítico.

[34] Disse-lhe Pedro: Enéias, Jesus Cristo te cura! Levanta-te e arruma o teu leito. Ele, imediatamente, se levantou.

[35] Viram-no todos os habitantes de Lida e Sarona, os quais se converteram ao SENHOR.

A ressurreição de Dorcas

[36] Havia em Jope uma discípula por nome Tabita, nome este que, traduzido, quer dizer Dorcas; era ela notável pelas boas obras e esmolas que fazia.

[37] Ora, aconteceu, naqueles dias, que ela adoeceu e veio a morrer; e, depois de a lavarem, puseram-na no cenáculo.

[38] Como Lida era perto de Jope, ouvindo os discípulos que Pedro estava ali, enviaram-lhe dois homens que lhe pedissem: Não demores em vir ter conosco.

[39] Pedro atendeu e foi com eles. Tendo chegado, conduziram-no para o cenáculo; e todas as viúvas o cercaram, chorando e mostrando-lhe túnicas e vestidos que Dorcas fizera enquanto estava com elas.

[40] Mas Pedro, tendo feito sair a todos, pondo-se de joelhos, orou; e, voltando-se para o corpo, disse: Tabita, levanta-te! Ela abriu os olhos e, vendo a Pedro, sentou-se.

[33]Wafumana khona umuntu othile ogama lakhe lingu-Eneya, owayeselele ecansini iminyaka eyisishiyagalombili efe uhlangothi.

[34]Khona uPetru wathi kuye: Eneya, uJesu Kristu uyakuphilisa; vuka, wendlule icansi lakho. Wayesevuka masinyane.

[35]Bambona bonke abakhe eLida naseSarona, baphendukela eNkosini.

UPetru uvusa uThabitha kwabafileyo

[36]EJopha kwakukhona umfundikazi othile ogama lakhe linguThabitha, okungukuthi uDorka ngokuhunyushwa; yena wayenemisebenzi eminingi emihle nokwabela abampofu izipho.

[37]Kwathi ngalezo zinsuku wagula, wafa; sebemgezile bambeka ekamelweni eliphezulu.

[38]Kepha iLida laliseduze neJopha; ngakho-ke abafundi sebezwile ukuthi uPetru ukhona lapho, bathuma kuye amadoda amabili emncenga ethi: Ungalibali ukuza kithi.

[39]Wayesesuka uPetru, wahamba nabo. Esefikile, bamyisa ekamelweni eliphezulu; abafelokazi bonke beza kuye bekhala, bembonisa izambatho nezingubo abezenzile uDorka esenabo.

[40]Kepha uPetru wabakhipha bonke, waguqa ngamadolo, wakhuleka, waphendukela esidunjini, wathi: Thabitha, vuka! Wayesevula amehlo akhe, wabona uPetru, walulama.

[41] Ele, dando-lhe a mão, levantou-a; e, chamando os santos, especialmente as viúvas, apresentou-a viva.

[42] Isto se tornou conhecido por toda Jope, e muitos creram no SENHOR.

[43] Pedro ficou em Jope muitos dias, em casa de um curtidor chamado Simão.

[41]Yena wambamba ngesandla, wamsukumisa. Wayesebiza abangcwele nabafelokazi, wambeka phambi kwabo ephilile.

[42]Kwezwakala lokho kulo lonke iJopha; abaningi bakholwa yiNkosi.

[43]Wayesehlala izinsuku eziningi eJopha kwaSimoni umshuki.

Atos 10

O centurião Cornélio

[1] Morava em Cesaréia um homem de nome Cornélio, centurião da coorte chamada Italiana,

[2] piedoso e temente a Deus com toda a sua casa e que fazia muitas esmolas ao povo e, de contínuo, orava a Deus.

[3] Esse homem observou claramente durante uma visão, cerca da hora nona do dia, um anjo de Deus que se aproximou dele e lhe disse:

[4] Cornélio! Este, fixando nele os olhos e possuído de temor, perguntou: Que é, SENHOR? E o anjo lhe disse: As tuas orações e as tuas esmolas subiram para memória diante de Deus.

[5] Agora, envia mensageiros a Jope e manda chamar Simão, que tem por sobrenome Pedro.

[6] Ele está hospedado com Simão, curtidor, cuja residência está situada à beira-mar.

[7] Logo que se retirou o anjo que lhe falava, chamou dois dos seus domésticos e um soldado piedoso dos que estavam a seu serviço

IzEnzo 10

Umbono haKorneliyu

[1]Kwakukhona eKesariya indoda ethile egama layo linguKorneliyu, eyinduna yekhulu yebutho elithiwa elase-Italiya;

[2]wayengumuntu okholwayo nowesaba uNkulunkulu kanye nendlu yakhe yonke, abela abantu abampofu izipho eziningi, ekhuleka kuNkulunkulu njalonjalo.

[3]Wabona ngokusobala embonweni ingelosi kaNkulunkulu ingena kuye kungathi ngehora lesishiyagalolunye lemini, ithi: Korneliyu!

[4]Wayigqolozela enokwesaba, wathi: Kwenze njani, Nkosi? Yathi kuye: Imikhuleko yakho nokwabela kwakho abampofu izipho kwenyukile kwaba yisikhumbuzo emehlweni kaNkulunkulu.

[5]Thuma-ke amadoda eJopha, ubize uSimoni othile othiwa uPetru;

[6] yena ungenisile kwaSimoni othile, umshuki, ondlu yakhe ingaselwandle.

[7]Isimukile ingelosi ebikhuluma naye, wabiza ababili bendlu yakhe nebutho elikholwayo kulawo ayehlala naye njalo,

[8] e, havendo-lhes contado tudo, enviou-os a Jope.

Pedro tem uma visão

[9] No dia seguinte, indo eles de caminho e estando já perto da cidade, subiu Pedro ao eirado, por volta da hora sexta, a fim de orar.

[10] Estando com fome, quis comer; mas, enquanto lhe preparavam a comida, sobreveio-lhe um êxtase;

[11] então, viu o céu aberto e descendo um objeto como se fosse um grande lençol, o qual era baixado à terra pelas quatro pontas,

[12] contendo toda sorte de quadrúpedes, répteis da terra e aves do céu.

[13] E ouviu-se uma voz que se dirigia a ele: Levanta-te, Pedro! Mata e come.

[14] Mas Pedro replicou: De modo nenhum, SENHOR! Porque jamais comi coisa alguma comum e imunda.

[15] Segunda vez, a voz lhe falou: Ao que Deus purificou não consideres comum.

[16] Sucedeu isto por três vezes, e, logo, aquele objeto foi recolhido ao céu.

Os enviados de Cornélio chegam a Jope

[17] Enquanto Pedro estava perplexo sobre qual seria o significado da visão, eis que os homens enviados da parte de Cornélio, tendo perguntado pela casa de Simão, pararam junto à porta;

[18] e, chamando, indagavam se estava ali hospedado Simão, por sobrenome Pedro.

[8]wabalandisa konke, wabathumela eJopha.

UPetru wehlelwa yisiyezi

[9]Ngangomuso besahamba labo, sebesondela emzini, uPetru wenyukela phezu kwendlu ukuyokhuleka ngehora lesithupha.

[10]Khona walamba kakhulu, wafuna ukudla; kepha besamlungisela wehlelwa yisiyezi,

[11]wabona izulu livulekile nesitsha esithile sehla sinjengendwangu enkulu, sehliselwa emhlabeni ngamachopho amane.

[12]Kusona kwakukhona zonke izilwane ezinezinyawo ezine, nezinwabuzelayo zomhlaba, nezinyoni zezulu.

[13]Kwavela izwi, lathi kuye: Vuka, Petru; hlaba, udle.

[14] Kepha uPetru wathi: Qha, Nkosi, ngokuba angizange ngikudle okuyichilo nokungcolileyo.

[15] Izwi laphinda lasho kuye ngokwesibili, lathi: Lokho akuhlambululile uNkulunkulu, ungasho wena ukuthi kubi.

[16]Lokho kwaphindwa kathathu; isitsha senyuselwa masinyane ezulwini.

[17]UPetru esasambathekile ngokuthi ngakube uyini lowo mbono awubonileyo, bheka, amadoda ayethunyiwe nguKorneliyu, esebuzile indlu kaSimoni, ema ngasesangweni,

[18]amemeza ebuza ukuthi uSimoni othiwa uPetru ungenisile yini lapho.

[19] Enquanto meditava Pedro acerca da visão, disse-lhe o Espírito: Estão aí dois homens que te procuram;

[20] levanta-te, pois, desce e vai com eles, nada duvidando; porque eu os enviei.

[21] E, descendo Pedro para junto dos homens, disse: Aqui me tendes; sou eu a quem buscais? A que viestes?

[22] Então, disseram: O centurião Cornélio, homem reto e temente a Deus e tendo bom testemunho de toda a nação judaica, foi instruído por um santo anjo para chamar-te a sua casa e ouvir as tuas palavras.

Pedro vai com eles

[23] Pedro, pois, convidando-os a entrar, hospedou-os. No dia seguinte, levantou-se e partiu com eles; também alguns irmãos dos que habitavam em Jope foram em sua companhia.

[24] No dia imediato, entrou em Cesaréia. Cornélio estava esperando por eles, tendo reunido seus parentes e amigos íntimos.

[25] Aconteceu que, indo Pedro a entrar, lhe saiu Cornélio ao encontro e, prostrando-se-lhe aos pés, o adorou.

[26] Mas Pedro o levantou, dizendo: Ergue-te, que eu também sou homem.

[27] Falando com ele, entrou, encontrando muitos reunidos ali,

[28] a quem se dirigiu, dizendo: Vós bem sabeis que é proibido a um judeu ajuntar-se ou mesmo aproximar-se a alguém de outra raça; mas Deus me demonstrou que

[19]UPetru esazindla ngombono, uMoya wathi kuye: Bheka, amadoda amabili ayakufuna;

[20]sukuma-ke, wehle, uhambe nabo, ungangabazi ngalutho, ngokuba yimina engibathumileyo.

Ukufika kukaPetru endlini kaKorneliyu

[21]UPetru wayesehlela kuwo amadoda, wathi: Bhekani, yimina enimfunayo; kuyindabani enize ngayo na?

[22]Bathi: UKorneliyu induna yekhulu, indoda elungileyo nemesabayo uNkulunkulu, efakazelwa kahle esizweni sonke sabaJuda, uyaliwe yingelosi engcwele ukuba akubizele endlini yakhe, ezwe amazwi kuwe.

[23]Wayesebabiza, wabangenisa. Ngangomuso wasuka wahamba nabo, abathile babazalwane baseJopha bamphelekezela.

[24]Ngangomuso bangena eKesariya. UKorneliyu wayebalindele esebizile izihlobo nabangane bakhe abakhulu.

[25]Kwathi ukuba angene uPetru, uKorneliyu wamhlangabeza, wawa phansi ngasezinyaweni zakhe, wakhuleka.

[26] Kepha uPetru wamvusa wathi: Sukuma, nami ngingumuntu nje.

[27]Esakhuluma naye wangena, wafumana abaningi ababebuthene.

[28]Wayesethi: Niyazi ukuthi akuvunyelwe ukuba umuntu ongumJuda ahlangane, ahambelane nowesinye isizwe; kepha uNkulunkulu ungitshengisile ukuba

a nenhum homem considerasse comum ou imundo;

29 por isso, uma vez chamado, vim sem vacilar. Pergunto, pois: por que razão me mandastes chamar?

30 Respondeu-lhe Cornélio: Faz, hoje, quatro dias que, por volta desta hora, estava eu observando em minha casa a hora nona de oração, e eis que se apresentou diante de mim um varão de vestes resplandecentes

31 e disse: Cornélio, a tua oração foi ouvida, e as tuas esmolas, lembradas na presença de Deus.

32 Manda, pois, alguém a Jope a chamar Simão, por sobrenome Pedro; acha-se este hospedado em casa de Simão, curtidor, à beira-mar.

33 Portanto, sem demora, mandei chamar-te, e fizeste bem em vir. Agora, pois, estamos todos aqui, na presença de Deus, prontos para ouvir tudo o que te foi ordenado da parte do SENHOR.

34 Então, falou Pedro, dizendo: Reconheço, por verdade, que Deus não faz acepção de pessoas;

35 pelo contrário, em qualquer nação, aquele que o teme e faz o que é justo lhe é aceitável.

36 Esta é a palavra que Deus enviou aos filhos de Israel, anunciando-lhes o evangelho da paz, por meio de Jesus Cristo. Este é o SENHOR de todos.

ngingasho nangoyedwa ukuthi unechilo nokuthi ungcolile.

29Ngakho lokhu ngibiziwe, ngizile ngingalanga. Ngakho-ke sengiyabuza ukuthi ningibizeleni na?

30UKorneliyu wathi: Ngezinsuku ezine ezidlule ngaleli hora bengenza umkhuleko wehora lesishiyagalolunye endlini yami; bheka, indoda eyembethe ingubo ekhazimulayo yema phambi kwami,

31yathi: Korneliyu, kuzwakele ukukhuleka kwakho, nokwabela kwakho abampofu izipho kukhunjuliwe phambi kukaNkulunkulu.

32Ngakho thumela eJopha, ubize uSimoni othiwa uPetru; yena ungenisile endlini kaSimoni umshuki ngaselwandle.

33Ngase ngithumela kuwe ngaso leso sikhathi; wenze kahle ufike. Manje sesikhona sonke phambi kukaNkulunkulu ukuba sizwe konke okuyalelwe yiNkosi.

Intshumayelo kaPetru

34 Khona uPetru wavula umlomo, wathi: Nembala ngiyabona ukuthi uNkulunkulu akabheki ubuso bamuntu,

35 kodwa ezizweni zonke omesabayo nowenza ukulunga uyamukeleka kuye.

36 Walithumela izwi kubantwana bakwa-Israyeli, eshumayela ivangeli lokuthula ngaye uJesu Kristu; yena uyiNkosi yabo bonke.

[37] Vós conheceis a palavra que se divulgou por toda a Judéia, tendo começado desde a Galiléia, depois do batismo que João pregou,

[38] como Deus ungiu a Jesus de Nazaré com o Espírito Santo e com poder, o qual andou por toda parte, fazendo o bem e curando a todos os oprimidos do diabo, porque Deus era com ele;

[39] e nós somos testemunhas de tudo o que ele fez na terra dos judeus e em Jerusalém; ao qual também tiraram a vida, pendurando-o no madeiro.

[40] A este ressuscitou Deus no terceiro dia e concedeu que fosse manifesto,

[41] não a todo o povo, mas às testemunhas que foram anteriormente escolhidas por Deus, isto é, a nós que comemos e bebemos com ele, depois que ressurgiu dentre os mortos;

[42] e nos mandou pregar ao povo e testificar que ele é quem foi constituído por Deus Juiz de vivos e de mortos.

[43] Dele todos os profetas dão testemunho de que, por meio de seu nome, todo aquele que nele crê recebe remissão de pecados.

O Espírito Santo desce sobre os gentios

[44] Ainda Pedro falava estas coisas quando caiu o Espírito Santo sobre todos os que ouviam a palavra.

[45] E os fiéis que eram da circuncisão, que vieram com Pedro, admiraram-se, porque

[37] Niyalazi izwi elamenyezelwa eJudiya lonke, liqalile eGalile, emva kokubhapathiza akushumayelayo uJohane

[38] lokuthi: UNkulunkulu wamgcoba uJesu waseNazaretha ngoMoya oNgcwele nangamandla, owahamba enza umusa, ephulukisa bonke ababesemandleni kaSathane, ngokuba uNkulunkulu wayenaye.

[39] Nathi singofakazi bezinto zonke azenzayo ezweni labaJuda naseJerusalema yena abambulalayo bemphanyeka emthini.

[40]Lowo uNkulunkulu wamvusa ngosuku lwesithathu, wamnika ukuba abonakale,

[41] kungekubantu bonke kodwa kithina esingofakazi ababekhethwe nguNkulunkulu ngaphambili, esasidla siphuza naye emva kokuvuka kwakhe kwabafileyo.

[42] Wasiyala ukuba sishumayele kubantu, sifakaze ukuthi: Nguye omiswe nguNkulunkulu ukuba abe nguMahluleli wabaphilayo nabafileyo.

[43] Ngaye bonke abaprofethi bafakaza ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono.

Ukubhapathizwa kukaKorneliyu nabendlu yakhe

[44]Kwathi uPetru esakhuluma lawo mazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo bonke ababelizwa izwi.

[45]Abokusoka abakholwayo ababefikile noPetru bamangala kakhulu, ngokuba

também sobre os gentios foi derramado o dom do Espírito Santo;

46 pois os ouviam falando em línguas e engrandecendo a Deus. Então, perguntou Pedro:

47 Porventura, pode alguém recusar a água, para que não sejam batizados estes que, assim como nós, receberam o Espírito Santo?

48 E ordenou que fossem batizados em nome de Jesus Cristo. Então, lhe pediram que permanecesse com eles por alguns dias.

Atos 11

A defesa de Pedro

1 Chegou ao conhecimento dos apóstolos e dos irmãos que estavam na Judéia que também os gentios haviam recebido a palavra de Deus.

2 Quando Pedro subiu a Jerusalém, os que eram da circuncisão o argüiram, dizendo:

3 Entraste em casa de homens incircuncisos e comeste com eles.

4 Então, Pedro passou a fazer-lhes uma exposição por ordem, dizendo:

5 Eu estava na cidade de Jope orando e, num êxtase, tive uma visão em que observei descer um objeto como se fosse um grande lençol baixado do céu pelas quatro pontas e vindo até perto de mim.

isipho sikaMoya oNgcwele sitheliwe naphezu kwabezizwe.

46 Ngokuba babezwa bekhuluma ngezilimi, betusa uNkulunkulu. Khona uPetru waphendula wathi:

47 Ukhona yini ongala namanzi ukuba bangabhapathizwa laba abamukela uMoya oNgcwele njengathi na?

48Wayeseyala ukuba babhapathizwe egameni leNkosi. Base bemncenga ukuba ahlale izinsuku ezithile.

IzEnzo 11

UPetru ulandisa eJerusalema indaba kaKorneliyu

1Kepha abaphostoli nabazalwane abaseJudiya bezwa ukuthi nabezizwe balamukele izwi likaNkulunkulu.

2Kwathi ukuba uPetru enyukele eJerusalema, abokusoka baphikisana naye,

3bathi: Ungene kubantu abangasokile, wadla nabo.

4Kepha uPetru wabathathela konke ngokulandelana, wathi:

5 Mina bengisemzini waseJopha ngikhuleka; ngehlelwa yisiyezi, ngabona umbono, kwehla isitsha esithile sinjengendwangu enkulu, yehliswa ezulwini ngamachopho amane, yaze yafika kimi.

[6] E, fitando para dentro dele os olhos, vi quadrúpedes da terra, feras, répteis e aves do céu.

[6]Kwathi ukuba ngiyigqolozele, ngabhekisisa, ngabona izilwane zomhlaba ezinezinyawo ezine, nezilo zasendle, nezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu.

[7] Ouvi também uma voz que me dizia: Levanta-te, Pedro! Mata e come.

[7]Ngezwa izwi lithi kimi: Sukuma, Petru; hlaba, udle.

[8] Ao que eu respondi: de modo nenhum, SENHOR; porque jamais entrou em minha boca qualquer coisa comum ou imunda.

[8] Kepha ngathi: Qha, Nkosi, ngokuba okuyichilo nokungcolileyo akuzange kungene emlonyeni wami.

[9] Segunda vez, falou a voz do céu: Ao que Deus purificou não consideres comum.

[9] Khona izwi elivela ezulwini laphendula ngokwesibili, lathi: Lokho akuhlambululileyo uNkulunkulu, ungasho wena ukuthi kuyichilo.

[10] Isto sucedeu por três vezes, e, de novo, tudo se recolheu para o céu.

[10]Lokho-ke kwenzeka kathathu, konke kwabuye kwenyuselwa ezulwini.

[11] E eis que, na mesma hora, pararam junto da casa em que estávamos três homens enviados de Cesaréia para se encontrarem comigo.

[11] Bhekani, ngaso leso sikhathi kwase kumi amadoda amathathu phambi kwendlu esasikuyo; ayethunyelwe kimi, evela eKesariya.

[12] Então, o Espírito me disse que eu fosse com eles, sem hesitar. Foram comigo também estes seis irmãos; e entramos na casa daquele homem.

[12]UMoya wayesethi kimi angihambe nabo ngingangabazi ngalutho. Bangiphelekezela labo bazalwane abayisithupha, saya sangena endlini yaleyo ndoda.

[13] E ele nos contou como vira o anjo em pé em sua casa e que lhe dissera: Envia a Jope e manda chamar Simão, por sobrenome Pedro,

[13]Yasibikela-ke ukuthi yayibonile ingelosi imi endlini yayo, ithi: Thumela eJopha, ulande uSimoni othiwa uPetru

[14] o qual te dirá palavras mediante as quais serás salvo, tu e toda a tua casa.

[14]ozakukhuluma kuwe amazwi ozakusindiswa ngawo, wena nendlu yakho yonke.

[15] Quando, porém, comecei a falar, caiu o Espírito Santo sobre eles, como também sobre nós, no princípio.

[15] Ngathi ngisaqala ukukhuluma, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo njengakithi ekuqaleni.

[16] Então, me lembrei da palavra do SENHOR, quando disse: João, na verdade, batizou com água, mas vós sereis batizados com o Espírito Santo.

[17] Pois, se Deus lhes concedeu o mesmo dom que a nós nos outorgou quando cremos no SENHOR Jesus, quem era eu para que pudesse resistir a Deus?

[18] E, ouvindo eles estas coisas, apaziguaram-se e glorificaram a Deus, dizendo: Logo, também aos gentios foi por Deus concedido o arrependimento para vida.

Os discípulos são chamados cristãos em Antioquia

[19] Então, os que foram dispersos por causa da tribulação que sobreveio a Estêvão se espalharam até à Fenícia, Chipre e Antioquia, não anunciando a ninguém a palavra, senão somente aos judeus.

[20] Alguns deles, porém, que eram de Chipre e de Cirene e que foram até Antioquia, falavam também aos gregos, anunciando-lhes o evangelho do SENHOR Jesus.

[21] A mão do SENHOR estava com eles, e muitos, crendo, se converteram ao SENHOR.

[22] A notícia a respeito deles chegou aos ouvidos da igreja que estava em Jerusalém; e enviaram Barnabé até Antioquia.

[23] Tendo ele chegado e, vendo a graça de Deus, alegrou-se e exortava a todos a que,

[16] Ngalikhumbula-ke izwi leNkosi, njengalokho yathi: UJohane wabhapathiza ngamanzi, kodwa nina nizakubhapathizwa ngoMoya oNgcwele.

[17]Ngakho uma uNkulunkulu ebanikile bona isipho njengathi esakholwa yiNkosi uJesu Kristu, ngingubani mina ukuba ngivimbele uNkulunkulu na?

[18] Bathi ukuzwa lokho, bathula, badumisa uNkulunkulu, bathi: Kanti uNkulunkulu unike nabezizwe ukuphendukela ekuphileni.

Amakholwa ase-Antiyokiya athiwa amaKristu

[19] Kepha labo ababehlakazekile ngokuhlupheka okwaqala ngoStefanu bahamba, baze bafika eFenike, naseKhupro, nase-Antiyokiya, bengalikhulumi izwi koyedwa, kubaJuda kuphela.

[20]Kodwa kwakukhona abanye kubo, amadoda aseKhupro naseKhurene, abathi befika e-Antiyokiya, bakhuluma nakumaGreki, beshumayela ivangeli ngeNkosi uJesu.

[21]Isandla seNkosi sasinabo; kwakholwa abaningi kakhulu, baphendukela eNkosini.

[22] Kepha kwezwakala izwi ngabo ezindlebeni zebandla laseJerusalema; lase lithuma uBarnaba ukuba ahambe afike e-Antiyokiya;

[23]wathi ukuba afike, abone umusa kaNkulunkulu, wathokoza, wabayala

com firmeza de coração, permanecessem no SENHOR.

[24] Porque era homem bom, cheio do Espírito Santo e de fé. E muita gente se uniu ao SENHOR.

[25] E partiu Barnabé para Tarso à procura de Saulo;

[26] tendo-o encontrado, levou-o para Antioquia. E, por todo um ano, se reuniram naquela igreja e ensinaram numerosa multidão. Em Antioquia, foram os discípulos, pela primeira vez, chamados cristãos.

Ágabo prediz grande fome

[27] Naqueles dias, desceram alguns profetas de Jerusalém para Antioquia,

[28] e, apresentando-se um deles, chamado Ágabo, dava a entender, pelo Espírito, que estava para vir grande fome por todo o mundo, a qual sobreveio nos dias de Cláudio.

[29] Os discípulos, cada um conforme as suas posses, resolveram enviar socorro aos irmãos que moravam na Judéia;

[30] o que eles, com efeito, fizeram, enviando-o aos presbíteros por intermédio de Barnabé e de Saulo.

Atos 12

Herodes persegue a Tiago e a Pedro

[1] Por aquele tempo, mandou o rei Herodes prender alguns da igreja para os maltratar,

[2] fazendo passar a fio de espada a Tiago, irmão de João.

bonke ukuba banamathele eNkosini ngokuzimisela inhliziyo.

[24]Ngokuba wayeyindoda enhle, egcwele uMoya oNgcwele nokukholwa; kwenezelwa eNkosini abantu abaningi.

[25] UBarnaba wayeseya eTarsu ukuba afune uSawulu;

[26]kwathi esemfumene, wamyisa e-Antiyokiya. Kwase kwenzeka ukuba umnyaka wonke bahlangane ebandleni, befundisa abantu abaningi. Kwaqala e-Antiyokiya ukuba abafundi bathiwe amaKristu.

AmaKristu athumela izipho kubazalwane baseJudiya

[27] Ngalezo zinsuku kwehlela e-Antiyokiya abaprofethi bevela eJerusalema.

[28] Kwasukuma omunye kubo ogama lakhe lingu-Agabu, wakhomba ngoMoya ukuthi kuzakuba khona indlala enzima ezweni lonke; yaba khona emihleni kaKlawudiyu.

[29] Abafundi base bezimisela ukuba yilowo nalowo kubo athumele njengamandla akhe okokusiza abazalwane abakhe eJudiya.

[30] Bakwenza-ke, bakuthumela emalungeni ngesandla sikaBarnaba noSawulu.

IzEnzo 12

Ukuzingelwa kwabebandla, nokubulawa kukaJakobe, nokuboshwa nokukhululwa kukaPetru

[1]Ngaleso sikhathi uHerode inkosi welula izandla ukuba ahluphe abathile bebandla.

[2]Wabulala uJakobe umfowabo kaJohane ngenkemba.

[3] Vendo ser isto agradável aos judeus, prosseguiu, prendendo também a Pedro. E eram os dias dos pães asmos.

[4] Tendo-o feito prender, lançou-o no cárcere, entregando-o a quatro escoltas de quatro soldados cada uma, para o guardarem, tencionando apresentá-lo ao povo depois da Páscoa.

[5] Pedro, pois, estava guardado no cárcere; mas havia oração incessante a Deus por parte da igreja a favor dele.

[6] Quando Herodes estava para apresentá-lo, naquela mesma noite, Pedro dormia entre dois soldados, acorrentado com duas cadeias, e sentinelas à porta guardavam o cárcere.

[7] Eis, porém, que sobreveio um anjo do SENHOR, e uma luz iluminou a prisão; e, tocando ele o lado de Pedro, o despertou, dizendo: Levanta-te depressa! Então, as cadeias caíram-lhe das mãos.

[8] Disse-lhe o anjo: Cinge-te e calça as sandálias. E ele assim o fez. Disse-lhe mais: Põe a capa e segue-me.

Pedro é livre da prisão

[9] Então, saindo, o seguia, não sabendo que era real o que se fazia por meio do anjo; parecia-lhe, antes, uma visão.

[10] Depois de terem passado a primeira e a segunda sentinela, chegaram ao portão de ferro que dava para a cidade, o qual se lhes abriu automaticamente; e, saindo, enveredaram por uma rua, e logo adiante o anjo se apartou dele.

[3]Esebonile ukuthi lokhu kuyabathokozisa abaJuda, waqhubeka wambamba noPetru. Kwakuyizinsuku zezinkwa ezingenamvubelo.

[4]Wambamba, wamfaka etilongweni, wamnikela emaviyweni amane, yilelo nalelo linamabutho amane, ukuba amlinde, ehlose ukumkhuphulela ebantwini emva kwePhasika.

[5] Ngakho-ke uPetru wagcinwa etilongweni; kepha ibandla lamkhulekela ngesineke kuNkulunkulu.

[6]Kwathi mhla uHerode ebezakumphumisa, ngalobo busuku uPetru wayelele phakathi kwamabutho amabili, eboshiwe ngamaketanga amabili, nabalindi phambi komnyango begcina itilongo.

[7] Bheka, yafika ingelosi yeNkosi, kwakhanya ukukhanya etilongweni, yamshaya uPetru ohlangothini, yamvusa ithi: Shesha usukume. Ayesewa amaketanga ezandleni zakhe.

[8]Ingelosi yathi kuye: Gqoka, ufake izicathulo zakho. Wenze njalo. Yathi kuye: Yembatha ingubo yakho, ungilandele.

[9]Waphuma, wayilandela; wayengazi ukuthi kuyiqiniso okwenziwa yingelosi, kodwa wayethi ubona umbono.

[10] Sebedlulile kubalindi bokuqala nabesibili bafika esangweni lensimbi eliya emzini, labavulekela ngokwalo, baphuma, badlula isitaladi saba sinye; ingelosi yayisimshiya masinyane.

[11] Então, Pedro, caindo em si, disse: Agora, sei, verdadeiramente, que o SENHOR enviou o seu anjo e me livrou da mão de Herodes e de toda a expectativa do povo judaico.

[12] Considerando ele a sua situação, resolveu ir à casa de Maria, mãe de João, cognominado Marcos, onde muitas pessoas estavam congregadas e oravam.

[13] Quando ele bateu ao postigo do portão, veio uma criada, chamada Rode, ver quem era;

[14] reconhecendo a voz de Pedro, tão alegre ficou, que nem o fez entrar, mas voltou correndo para anunciar que Pedro estava junto do portão.

[15] Eles lhe disseram: Estás louca. Ela, porém, persistia em afirmar que assim era. Então, disseram: É o seu anjo.

[16] Entretanto, Pedro continuava batendo; então, eles abriram, viram-no e ficaram atônitos.

[17] Ele, porém, fazendo-lhes sinal com a mão para que se calassem, contou-lhes como o SENHOR o tirara da prisão e acrescentou: Anunciai isto a Tiago e aos irmãos. E, saindo, retirou-se para outro lugar.

[18] Sendo já dia, houve não pouco alvoroço entre os soldados sobre o que teria acontecido a Pedro.

[19] Herodes, tendo-o procurado e não o achando, submetendo as sentinelas a inquérito, ordenou que fossem justiçadas.

[11]UPetru esesangulukile wathi: Manje sengiyazi ngeqiniso ukuthi iNkosi ithumile ingelosi yayo, yangikhulula esandleni sikaHerode nakukho konke okubhekwe yisizwe sabaJuda.

[12] Sekumkhanyele lokho, wafika endlini kaMariya unina kaJohane othiwa uMarku, lapho bebebuthene khona abaningi bekhuleka.

[13]Esengqongqotha esivalweni sesango, yeza intombazana ukusabela, egama layo linguRoda;

[14]isilizwile izwi likaPetru ayivulanga esangweni ngenxa yokuthokoza, kepha yagijima yabika ukuthi uPetru umi ngasesangweni.

[15]Kodwa bathi kuyo: Uyahlanya. Yona yaqinisa yathi: Hhayi, kunjalo. Bona bathi: Yingelosi yakhe.

[16]Kepha uPetru waqinisa wangqongqotha; sebevulile babona ukuthi nguye, bamangala.

[17]Wayesebaqhweba ngesandla ukuba bathule, wabalandisa ukuthi iNkosi imkhiphe kanjani etilongweni, wathi: Bikelani uJakobe nabazalwane lokhu. Wayesephuma, waya kwenye indawo.

[18]Sekusile, kwaba khona ukunyakaza okukhulu phakathi kwamabutho kokuthi uPetru wehlelwe yini.

[19]UHerode esemfunile engamfumananga, wabuzisisa abalindi, wayala ukuba babulawe. Wayesehla eJudiya, waya eKesariya, wahlala khona.

E, descendo da Judéia para Cesaréia, Herodes passou ali algum tempo.

A morte de Herodes

[20] Ora, havia séria divergência entre Herodes e os habitantes de Tiro e de Sidom; porém estes, de comum acordo, se apresentaram a ele e, depois de alcançar o favor de Blasto, camarista do rei, pediram reconciliação, porque a sua terra se abastecia do país do rei.

[21] Em dia designado, Herodes, vestido de trajo real, assentado no trono, dirigiu-lhes a palavra;

[22] e o povo clamava: É voz de um deus, e não de homem!

[23] No mesmo instante, um anjo do SENHOR o feriu, por ele não haver dado glória a Deus; e, comido de vermes, expirou.

[24] Entretanto, a palavra do SENHOR crescia e se multiplicava.

[25] Barnabé e Saulo, cumprida a sua missão, voltaram de Jerusalém, levando também consigo a João, apelidado Marcos.

Ukufa kukaHerode

[20]Kepha wayebathukuthelele abaseTire nabaseSidoni; kodwa beza kuye nganhliziyonye; sebemvumisile uBlastu induna yendlu yenkosi, bacela ukuthula, ngokuba izwe lakubo lalifunzwa ngelenkosi.

[21]Ngosuku olumisiweyo uHerode wembatha ingubo yobukhosi, wahlala esihlalweni, wakhuluma kubantu.

[22] Abantu bamemeza bathi: Yizwi likaNkulunkulu, akusilo elomuntu.

[23] Kepha ingelosi yeNkosi yamshaya khona lapho, ngokuba enganikanga uNkulunkulu udumo; wadliwa yizimpethu, wafa.

[24] Kodwa izwi likaNkulunkulu lakhula, landa.

[25] Kepha oBarnaba noSawulu babuya eJerusalema sebeqede ukukhonza kwabo, behamba benoJohane othiwa uMarku.

Atos 13

Barnabé e Saulo. A primeira viagem missionária

[1] Havia na igreja de Antioquia profetas e mestres: Barnabé, Simeão, por sobrenome Níger, Lúcio de Cirene, Manaém, colaço de Herodes, o tetrarca, e Saulo.

[2] E, servindo eles ao SENHOR e jejuando, disse o Espírito Santo: Separai-me, agora,

IzEnzo 13

Uhambo lokuqala lukaPawulu: ukubusiswa nokuthunywa kwakhe

[1] Kwakukhona e-Antiyokiya ebandleni lakhona abaprofethi nabafundisi: oBarnaba, noSimeyoni othiwa uNigeri, noLukiyu waseKhurene, noManayeni owayondliwe kanye noHerode umtetrarki, noSawulu.

[2] Kwathi bekhonza iNkosi, bezila, uMoya oNgcwele wathi: Ngahlukaniseleni

Barnabé e Saulo para a obra a que os tenho chamado.

3 Então, jejuando, e orando, e impondo sobre eles as mãos, os despediram.

Elimas, o mágico

4 Enviados, pois, pelo Espírito Santo, desceram a Selêucia e dali navegaram para Chipre.

5 Chegados a Salamina, anunciavam a palavra de Deus nas sinagogas judaicas; tinham também João como auxiliar.

6 Havendo atravessado toda a ilha até Pafos, encontraram certo judeu, mágico, falso profeta, de nome Barjesus,

7 o qual estava com o procônsul Sérgio Paulo, que era homem inteligente. Este, tendo chamado Barnabé e Saulo, diligenciava para ouvir a palavra de Deus.

8 Mas opunha-se-lhes Elimas, o mágico (porque assim se interpreta o seu nome), procurando afastar da fé o procônsul.

9 Todavia, Saulo, também chamado Paulo, cheio do Espírito Santo, fixando nele os olhos, disse:

10 Ó filho do diabo, cheio de todo o engano e de toda a malícia, inimigo de toda a justiça, não cessarás de perverter os retos caminhos do SENHOR?

11 Pois, agora, eis aí está sobre ti a mão do SENHOR, e ficarás cego, não vendo o sol por algum tempo. No mesmo instante, caiu sobre ele névoa e escuridade, e,

oBarnaba noSawulu ukuba baye emsebenzini engibabizele wona.

3 Khona bazila ukudla bakhuleka, babeka izandla phezu kwabo, babamukisa.

Ukushumayela kukaPawulu eKhupro

4 Bona-ke bethunyiwe nguMoya oNgcwele behlela eSelukiya; basuka lapho, baya eKhupro ngomkhumbi.

5 Ekufikeni kwabo eSalami bashumayela izwi likaNkulunkulu emasinagogeni abaJuda; babe noJohane eyisikhonzi sabo.

6 Sebedabule isiqhingi sonke, baze bafika ePhafu, bafumana indoda ethile eyisanusi nomprofethi wamanga, umJuda, ogama lakhe linguBarjesu,

7 owayekhona kumbusi wezwe uSergiyu Pawulu, umuntu onengqondo enhle. Yena wabiza oBarnaba noSawulu, wafuna ukuzwa izwi likaNkulunkulu.

8 Kodwa u-Eluma, isanusi, ngokuba linjalo igama lakhe ngokuhunyushwa, wamelana nabo, wafuna ukuphambukisa umbusi ekukholweni.

9 Kepha uSawulu osethiwa uPawulu, egcwele uMoya oNgcwele wamgqolozela,

10 wathi: O wena ogcwele inkohliso yonke nobubi bonke, ndodana kaSathane, sitha sokulunga konke, awuyikuyeka ukuziphambukisa izindlela eziqondileyo zeNkosi na?

11 Bheka, isandla seNkosi siphezu kwakho manje. Uzakuba yimpumputhe, kube yisikhathi ungaliboni ilanga. Kwase kumfikela khona lapho ukufiphala

andando à roda, procurava quem o guiasse pela mão.

[12] Então, o procônsul, vendo o que sucedera, creu, maravilhado com a doutrina do SENHOR.

João Marcos volta a Jerusalém

[13] E, navegando de Pafos, Paulo e seus companheiros dirigiram-se a Perge da Panfília. João, porém, apartando-se deles, voltou para Jerusalém.

[14] Mas eles, atravessando de Perge para a Antioquia da Pisídia, indo num sábado à sinagoga, assentaram-se.

[15] Depois da leitura da lei e dos profetas, os chefes da sinagoga mandaram dizer-lhes: Irmãos, se tendes alguma palavra de exortação para o povo, dizei-a.

O testemunho de Paulo em Antioquia

[16] Paulo, levantando-se e fazendo com a mão sinal de silêncio, disse: Varões israelitas e vós outros que também temeis a Deus, ouvi.

[17] O Deus deste povo de Israel escolheu nossos pais e exaltou o povo durante sua peregrinação na terra do Egito, donde os tirou com braço poderoso;

[18] e suportou-lhes os maus costumes por cerca de quarenta anos no deserto;

[19] e, havendo destruído sete nações na terra de Canaã, deu-lhes essa terra por herança,

[20] vencidos cerca de quatrocentos e cinqüenta anos. Depois disto, lhes deu juízes, até o profeta Samuel.

nobumnyama, wahamba efuna abazakumhola ngesandla.

[12]Khona umbusi esebona okwenzekileyo wakholwa, emangaliswa ngesifundiso seNkosi.

UPawulu ushumayela e-Antiyokiya lasePhisidiya

[13] UPawulu nababe naye bamuka ePhafu ngomkhumbi, bafika ePherge lasePhamfiliya; kepha uJohane wahlukana nabo, wabuyela eJerusalema.

[14]Bona ekumukeni kwabo ePherge baya e-Antiyokiya lasePhisidiya, bangena esinagogeni ngosuku lwesabatha, bahlala phansi.

[15] Sekufundiwe umthetho nabaprofethi, abaphathi besinagoge bathumela kubo, bathi: Madoda, bazalwane, uma ninezwi lokuyala abantu, khulumani.

[16]Wayesesukuma uPawulu, waqhweba ngesandla, wathi: Madoda akwa-Israyeli, nani enesaba uNkulunkulu, lalelani:

[17] UNkulunkulu walesi sizwe sakwa-Israyeli wabakhetha obaba, wabaphakamisa abantu bengabafokazi ezweni laseGibithe; wabakhipha kulo ngengalo ephakemeyo.

[18] Wababekezelela ehlane kungathi iminyaka engamashumi amane.

[19] Wachitha izizwe eziyisikhombisa ezweni laseKhanani, wababela izwe lazo libe yifa;

[20]kwadlula kungathi iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisihlanu. Emva kwalokho wabanika

abahluleli kwaze kwaba nguSamuweli umprofethi.

[21] Então, eles pediram um rei, e Deus lhes deparou Saul, filho de Quis, da tribo de Benjamim, e isto pelo espaço de quarenta anos.

[21] Kusukela lapho bacela inkosi; uNkulunkulu wabanika uSawule indodana kaKisi, umuntu wesizwe sakwaBenjamini, iminyaka engamashumi amane.

[22] E, tendo tirado a este, levantou-lhes o rei Davi, do qual também, dando testemunho, disse: Achei Davi, filho de Jessé, homem segundo o meu coração, que fará toda a minha vontade.

[22]Esemkhiphile wabavusela uDavide abe yinkosi, afakaza ngaye ukuthi: Ngimfumene uDavide kaJesayi, umuntu ongowenhliziyo yami, oyakwenza konke engikuthandayo.

[23] Da descendência deste, conforme a promessa, trouxe Deus a Israel o Salvador, que é Jesus,

[23] Enzalweni yakhe uNkulunkulu walethela u-Israyeli uMsindisi uJesu njengokwethembisa kwakhe;

[24] havendo João, primeiro, pregado a todo o povo de Israel, antes da manifestação dele, batismo de arrependimento.

[24] engakafiki yena uJohane wayeseshumayele kuso sonke isizwe sakwa-Israyeli umbhapathizo wokuphenduka.

[25] Mas, ao completar João a sua carreira, dizia: Não sou quem supondes; mas após mim vem aquele de cujos pés não sou digno de desatar as sandálias.

[25] Esegcina ukuhamba kwakhe uJohane wathi: Lokhu enithi ngiyikho angisikho mina. Kodwa bhekani, uyeza emva kwami engingafanele ukukhumula isicathulo sezinyawo zakhe.

[26] Irmãos, descendência de Abraão e vós outros os que temeis a Deus, a nós nos foi enviada a palavra desta salvação.

[26] Madoda, bazalwane, madodana ohlanga luka-Abrahama, nabaphakathi kwenu abamesabayo uNkulunkulu, izwi lale nsindiso lithunyelwe kithi.

[27] Pois os que habitavam em Jerusalém e as suas autoridades, não conhecendo Jesus nem os ensinos dos profetas que se lêem todos os sábados, quando o condenaram, cumpriram as profecias;

[27] Ngokuba abakhileyo eJerusalema nababusi babo abamazanga yena, namazwi abaprofethi afundwa amasabatha ngamasabatha bawagcwalisa ngokumlahla;

[28] e, embora não achassem nenhuma causa de morte, pediram a Pilatos que ele fosse morto.

[28] nakuba bengafumananga icala lokufa kuye, nokho bacela kuPilatu ukuba abulawe.

[29] Depois de cumprirem tudo o que a respeito dele estava escrito, tirando-o do madeiro, puseram-no em um túmulo.
[30] Mas Deus o ressuscitou dentre os mortos;
[31] e foi visto muitos dias pelos que, com ele, subiram da Galiléia para Jerusalém, os quais são agora as suas testemunhas perante o povo.
[32] Nós vos anunciamos o evangelho da promessa feita a nossos pais,

[33] como Deus a cumpriu plenamente a nós, seus filhos, ressuscitando a Jesus, como também está escrito no Salmo segundo: Tu és meu Filho, eu, hoje, te gerei.

[34] E, que Deus o ressuscitou dentre os mortos para que jamais voltasse à corrupção, desta maneira o disse: E cumprirei a vosso favor as santas e fiéis promessas feitas a Davi.
[35] Por isso, também diz em outro Salmo: Não permitirás que o teu Santo veja corrupção.
[36] Porque, na verdade, tendo Davi servido à sua própria geração, conforme o desígnio de Deus, adormeceu, foi para junto de seus pais e viu corrupção.
[37] Porém aquele a quem Deus ressuscitou não viu corrupção.

[38] Tomai, pois, irmãos, conhecimento de que se vos anuncia remissão de pecados por intermédio deste;

[29]Kwathi sebefeze konke okwakulotshiwe ngaye, bamehlisa emthini, bambeka ethuneni.
[30] Kepha uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo.
[31]Wabonwa izinsuku eziningi yibo ababekhuphukele naye eJerusalema bevela eGalile, asebengofakazi bakhe kubantu manje.
[32] Nathi sinishumayeza ivangeli lesithembiso esenziwa kobaba
[33]ukuthi uNkulunkulu usigcwalisile sona kubantwana bethu ngokumvusa uJesu, njengokuba kulotshiwe futhi kulo ihubo lesibili ukuthi: Wena uyiNdodana yami, namuhla ngikuzele.
[34] Maqondana nokumvusa kwakhe kwabafileyo ukuba engasayikubuyela ekuboleni wakhuluma kanje, wathi: Ngizakuninika okungcwele nokuthembekileyo kukaDavide.
[35] Ngakho nakwenye indawo uthi: Awuyikunika oNgcwele wakho abone ukubola.
[36] Ngokuba uDavide esekhonzile icebo likaNkulunkulu esizukulwaneni sakhe, walala ubuthongo, wabekwa koyise, wabona ukubola.
[37]Kepha yena amvusayo uNkulunkulu akakubonanga ukubola.
[38] Ngakho-ke makwazeke kini madoda, bazalwane, ukuthi ngalowo kumenyezelwa kini ukuthethelelwa kwezono, nakukho konke

ebeningenakulungisiswa kukho ngomthetho kaMose

[39] e, por meio dele, todo o que crê é justificado de todas as coisas das quais vós não pudestes ser justificados pela lei de Moisés.

[39] yilowo nalowo okholwayo uyakulungisiswa ngaye.

[40] Notai, pois, que não vos sobrevenha o que está dito nos profetas:

[40]Ngakho qaphelani, funa nehlelwe ngokwakhulunywa ngabaprofethi ukuthi:

[41] Vede, ó desprezadores, maravilhai-vos e desvanecei, porque eu realizo, em vossos dias, obra tal que não crereis se alguém vo-la contar.

[41] Bhekani nina zideleli, nimangale, ninyamalale, ngokuba mina ngisebenza umsebenzi emihleni yenu, umsebenzi eningayikukholwa yiwo, nakuba umuntu enilandisa ngawo.

Instados a pregar no sábado seguinte

Izwi lamukelwa ngabezizwe, liphikwa ngabaJuda

[42] Ao saírem eles, rogaram-lhes que, no sábado seguinte, lhes falassem estas mesmas palavras.

[42]Kwathi ekuphumeni kwabo, babacela ukuba lawo mazwi akhulunywe kubo nangesabatha elizayo.

[43] Despedida a sinagoga, muitos dos judeus e dos prosélitos piedosos seguiram Paulo e Barnabé, e estes, falando-lhes, os persuadiam a perseverar na graça de Deus.

[43] Khona sebehlakazekile abesinagoge, abaningi babaJuda namaproselite aqotho balandela oPawulu noBarnaba abakhuluma nabo, bebancenga ukuba bahlale emseni kaNkulunkulu.

Paulo e Barnabé vão para os gentios

[44] No sábado seguinte, afluiu quase toda a cidade para ouvir a palavra de Deus.

[44]Ngesabatha elilandelayo kwabuthana kucishe umuzi wonke ukuzwa izwi likaNkulunkulu.

[45] Mas os judeus, vendo as multidões, tomaram-se de inveja e, blasfemando, contradiziam o que Paulo falava.

[45] Kepha abaJuda bebona izixuku bagcwala umhawu, bakuphika okwakukhulunywa nguPawulu behlambalaza.

[46] Então, Paulo e Barnabé, falando ousadamente, disseram: Cumpria que a vós outros, em primeiro lugar, fosse pregada a palavra de Deus; mas, posto que a rejeitais e a vós mesmos vos julgais

[46] Khona oPawulu noBarnaba bakhuluma ngesibindi, bathi: Bekudingeka ukuba izwi likaNkulunkulu likhulunywe kini kuqala; kepha lokhu nilinqaba, nizisho nina nithi anifanele ukuphila okuphakade, bhekani, sesiphendukela kwabezizwe.

indignos da vida eterna, eis aí que nos volvemos para os gentios.

47 Porque o SENHOR assim no-lo determinou: Eu te constituí para luz dos gentios, a fim de que sejas para salvação até aos confins da terra.

48 Os gentios, ouvindo isto, regozijavam-se e glorificavam a palavra do SENHOR, e creram todos os que haviam sido destinados para a vida eterna.

49 E divulgava-se a palavra do SENHOR por toda aquela região.

50 Mas os judeus instigaram as mulheres piedosas de alta posição e os principais da cidade e levantaram perseguição contra Paulo e Barnabé, expulsando-os do seu território.

51 E estes, sacudindo contra aqueles o pó dos pés, partiram para Icônio.

52 Os discípulos, porém, transbordavam de alegria e do Espírito Santo.

Atos 14

Paulo e Barnabé em Icônio

1 Em Icônio, Paulo e Barnabé entraram juntos na sinagoga judaica e falaram de tal modo, que veio a crer grande multidão, tanto de judeus como de gregos.

2 Mas os judeus incrédulos incitaram e irritaram os ânimos dos gentios contra os irmãos.

3 Entretanto, demoraram-se ali muito tempo, falando ousadamente no SENHOR, o qual confirmava a palavra da sua graça,

47 Ngokuba iNkosi isiyalezile kanjalo ukuthi: Ngikubekile ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso kuze kube semkhawulweni womhlaba.

48 Kwathi abezizwe bekuzwa lokho, bathokoza, balidumisa izwi leNkosi; bakholwa bonke ababemiselwe ukuphila okuphakade.

49Izwi leNkosi lahanjiswa kulo izwe lonke.

50Kepha abaJuda bavusa abesifazane abaqotho abanesithunzi nezikhulu zomuzi, bavusela oPawulu noBarnaba ukuzingelwa, babaxosha emikhawulweni yabo.

51 Bona-ke babavuthululela uthuli lwezinyawo zabo, beza e-Ikoniyu.

52Abafundi bagcwala intokozo noMoya oNgcwele.

IzEnzo 14

Uhambo lokuqala lukaPawulu: ushumayela e-Ikoniyu

1 Kwathi e-Ikoniyu bangena kanyekanye esinagogeni labaJuda, bakhuluma kwaze kwakholwa isixuku esikhulu sabaJuda namaGreki.

2Kepha abaJuda abangakholwanga bavusa abezizwe, babenza nhliziyombi ngakubazalwane.

3 Nokho bahlala isikhathi eside, befundisa ngesibindi ngeNkosi eyafakazela izwi lomusa wayo, ibanika ukuba kwenziwe

concedendo que, por mão deles, se fizessem sinais e prodígios.

4 Mas dividiu-se o povo da cidade: uns eram pelos judeus; outros, pelos apóstolos.

5 E, como surgisse um tumulto dos gentios e judeus, associados com as suas autoridades, para os ultrajar e apedrejar,

6 sabendo-o eles, fugiram para Listra e Derbe, cidades da Licaônia e circunvizinhança,

7 onde anunciaram o evangelho.

A cura de um coxo em Listra

8 Em Listra, costumava estar assentado certo homem aleijado, paralítico desde o seu nascimento, o qual jamais pudera andar.

9 Esse homem ouviu falar Paulo, que, fixando nele os olhos e vendo que possuía fé para ser curado,

10 disse-lhe em alta voz: Apruma-te direito sobre os pés! Ele saltou e andava.

11 Quando as multidões viram o que Paulo fizera, gritaram em língua licaônica, dizendo: Os deuses, em forma de homens, baixaram até nós.

12 A Barnabé chamavam Júpiter, e a Paulo, Mercúrio, porque era este o principal portador da palavra.

13 O sacerdote de Júpiter, cujo templo estava em frente da cidade, trazendo para junto das portas touros e grinaldas, queria sacrificar juntamente com as multidões.

izibonakaliso nezimangaliso ngezandla zabo.

4Kepha isixuku somuzi sahlukana phakathi, abanye baba ngakubaJuda nabanye ngakubaphostoli.

5 Kwathi ukuba basukelwe yisidumo sabezizwe nabaJuda kanye nababusi babo sokubaphatha kabi nokubakhanda ngamatshe,

6 bathi sebekwazi lokho, babalekela emizini yaseLikawoniya, iListra neDerbe, nasezweni langakhona,

7bashumayela khona ivangeli.

UPawulu ushumayela eListra

8 EListra kwakuhlezi indoda ethile eyisilima ngezinyawo, eyisishosha selokhu yazalwa ngunina, engazange ihambe.

9 Yona yamuzwa uPawulu ekhuluma. Yena eyigqolozela wabona ukuthi inokukholwa kokuba iphiliswe,

10wathi ngezwi elikhulu: Sukuma, ume ngezinyawo zakho. Yayisigxuma, yahamba.

11 Kwathi-ke izixuku zikubona lokho akwenzile uPawulu, zaphakamisa izwi lazo, zathi ngesiLikawoniya: Onkulunkulu befana nabantu behlele kithi.

12UBarnaba bambiza ngokuthi uJupitheri, uPawulu ngokuthi uMerkuriyu, ngokuba kwakunguye owayehola ekukhulumeni.

13Kepha umpristi kaJupitheri othempeli lakhe liphambi komuzi waletha izinkunzi nemigexo yezimbali ngasemasangweni, wafuna ukubahlabela ekanye nezixuku.

[14] Porém, ouvindo isto, os apóstolos Barnabé e Paulo, rasgando as suas vestes, saltaram para o meio da multidão, clamando:

[15] Senhores, por que fazeis isto? Nós também somos homens como vós, sujeitos aos mesmos sentimentos, e vos anunciamos o evangelho para que destas coisas vãs vos convertais ao Deus vivo, que fez o céu, a terra, o mar e tudo o que há neles;

[16] o qual, nas gerações passadas, permitiu que todos os povos andassem nos seus próprios caminhos;

[17] contudo, não se deixou ficar sem testemunho de si mesmo, fazendo o bem, dando-vos do céu chuvas e estações frutíferas, enchendo o vosso coração de fartura e de alegria.

[18] Dizendo isto, foi ainda com dificuldade que impediram as multidões de lhes oferecerem sacrifícios.

Paulo é apedrejado

[19] Sobrevieram, porém, judeus de Antioquia e Icônio e, instigando as multidões e apedrejando a Paulo, arrastaram-no para fora da cidade, dando-o por morto.

[20] Rodeando-o, porém, os discípulos, levantou-se e entrou na cidade. No dia seguinte, partiu, com Barnabé, para Derbe.

[21] E, tendo anunciado o evangelho naquela cidade e feito muitos discípulos, voltaram para Listra, e Icônio, e Antioquia,

[14]Kwathi ukuba bakuzwe lokho abaphostoli oBarnaba noPawulu, baklebhula izingubo zabo, baphonseka phakathi kwesixuku bememeza

[15] bethi: Madoda, nikwenzelani lokhu na? Nathi singabantu abanjengani ngemvelo, sinishumayeza ivangeli ukuba niphenduke kulokho okuyize, niphendukele kuNkulunkulu ophilayo owenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho,

[16] othe ngezizukulwane ezidlulileyo wayeka izizwe zonke zihambe ngezindlela zazo.

[17] Nokho akayekanga ukuzifakazela ngokwenza okuhle, waninika imvula yasezulwini nezikhathi zenala, egcwalisa izinhliziyo zenu ngokuhle nangokujabula.

[18]Bekusho lokho, baziyekisa kalukhuni izixuku ukuba zingabahlabeli.

UPawulu ushumayela e-Antiyokiya

[19] Kodwa kwafika abaJuda, bevela e-Antiyokiya nase-Ikoniyu; sebezivumisile izixuku bamkhanda uPawulu ngamatshe, bamhudulela ngaphandle komuzi bethi usefile.

[20]Kepha kwathi abafundi bembunganyele, wavuka, wangena emzini. Ngangomuso wamuka noBarnaba, baya eDerbe.

[21]Sebelishumayele ivangeli kulowo muzi, bezuzile abafundi abaningi, babuyela eListra, nase-Ikoniyu, nase-Antiyokiya,

[22] fortalecendo a alma dos discípulos, exortando-os a permanecer firmes na fé; e mostrando que, através de muitas tribulações, nos importa entrar no reino de Deus.
[23] E, promovendo-lhes, em cada igreja, a eleição de presbíteros, depois de orar com jejuns, os encomendaram ao SENHOR em quem haviam crido.
[24] Atravessando a Pisídia, dirigiram-se a Panfília.
[25] E, tendo anunciado a palavra em Perge, desceram a Atália
[26] e dali navegaram para Antioquia, onde tinham sido recomendados à graça de Deus para a obra que haviam já cumprido.
[27] Ali chegados, reunida a igreja, relataram quantas coisas fizera Deus com eles e como abrira aos gentios a porta da fé.
[28] E permaneceram não pouco tempo com os discípulos.

Atos 15

A controvérsia sobre a circuncisão de gentios

[1] Alguns indivíduos que desceram da Judéia ensinavam aos irmãos: Se não vos circuncidardes segundo o costume de Moisés, não podeis ser salvos.
[2] Tendo havido, da parte de Paulo e Barnabé, contenda e não pequena discussão com eles, resolveram que esses dois e alguns outros dentre eles subissem

[22] baqinisa imiphefumulo yabafundi bebaluleka ukuba beme ekukholweni, bethi: Simelwe ukungena embusweni kaNkulunkulu ngezinhlupheko eziningi.
[23] Sebebakhethele amalunga amabandla ngamabandla, bakhuleka bezila ukudla, babanikela eNkosini asebekholwa yiyo.
[24] Base bedabula iPhisidiya, baya ePhamfiliya.
[25]Sebekhulumile izwi ePherge, behlela e-Ataliya.
[26] Basuka lapho ngomkhumbi, baya e-Antiyokiya, lapho babenikelwe khona emseni kaNkulunkulu kulowo msebenzi asebewufezile.
[27]Kwathi ukuba bafike, balibutha ibandla, balanda ngakho konke uNkulunkulu akwenzile ngabo nokuthi uvulele nabezizwe isango lokukholwa.
[28]Base behlala nabafundi isikhathi esingesincane.

IzEnzo 15

Umhlangano wabaphostoli eJerusalema ngomthetho kaMose

[1] Kwehla abathile eJudiya, bafundisa abazalwane ukuthi: Uma ningasokwa ngomthetho kaMose, ningesindiswe.
[2] Kuthe ukuba kuvele ukuphambana nokuphikisana okukhulu phakathi kwabo noPawulu noBarnaba, banquma ukuba oPawulu noBarnaba nabathile kubo

[7] a qual as nossas doze tribos, servindo a Deus fervorosamente de noite e de dia, almejam alcançar; é no tocante a esta esperança, ó rei, que eu sou acusado pelos judeus.

[7]ezithemba ukufinyelela kuso izizwe eziyishumi nambili zakithi, zikhonza ngesineke ubusuku nemini; ngalelo themba, nkosi, ngimangalelwa ngabaJuda.

[8] Por que se julga incrível entre vós que Deus ressuscite os mortos?

[8]Kungani kube yinto engakholekile kini ukuthi uNkulunkulu uvusa abafileyo na?

[9] Na verdade, a mim me parecia que muitas coisas devia eu praticar contra o nome de Jesus, o Nazareno;

[9] Kepha mina ngokwami ngangithi ngifanele ukwenza okuningi okuphambene negama likaJesu waseNazaretha;

[10] e assim procedi em Jerusalém. Havendo eu recebido autorização dos principais sacerdotes, encerrei muitos dos santos nas prisões; e contra estes dava o meu voto, quando os matavam.
[11] Muitas vezes, os castiguei por todas as sinagogas, obrigando-os até a blasfemar. E, demasiadamente enfurecido contra eles, mesmo por cidades estranhas os perseguia.
[12] Com estes intuitos, parti para Damasco, levando autorização dos principais sacerdotes e por eles comissionado.

[13] Ao meio-dia, ó rei, indo eu caminho fora, vi uma luz no céu, mais resplandecente que o sol, que brilhou ao redor de mim e dos que iam comigo.

[14] E, caindo todos nós por terra, ouvi uma voz que me falava em língua hebraica: Saulo, Saulo, por que me persegues? Dura coisa é recalcitrares contra os aguilhões.

[15] Então, eu perguntei: Quem és tu, SENHOR? Ao que o SENHOR respondeu: Eu sou Jesus, a quem tu persegues.
[16] Mas levanta-te e firma-te sobre teus pés, porque por isto te apareci, para te constituir ministro e testemunha, tanto das coisas em que me viste como daquelas pelas quais te aparecerei ainda,
[17] livrando-te do povo e dos gentios, para os quais eu te envio,
[18] para lhes abrires os olhos e os converteres das trevas para a luz e da

[10]lokho ngase ngikwenza-ke eJerusalema; mina ngabafaka abaningi kwabangcwele ematilongweni, ngiwatholile amandla kubapristi abakhulu, nalapho bebulawa ngabalahla ngevoti lami.
[11]Nasemasinagogeni onke kaningi ngabajezisa ngibacindezela ukuba bahlambalaze; ngahlanya kakhulu ngabo, ngibazingela kwaze kwaba semizini yabezizwe.
[12] Kwathi lapho ngisaya eDamaseku ngamandla nangokuthunywa ngabapristi abakhulu,
[13]emini enkulu, nkosi, ngisendleleni, ngabona ukukhanya okuvela ezulwini, kudlula ukukhazimula kwelanga, kungikhanyisela nxazonke kanye nababehamba nami;
[14]kwathi sesiwile phansi sonke emhlabathini, ngezwa izwi likhuluma kimi ngo limi lwesiHeberu, lithi: Sawulu, Sawulu, ungizingelelani na? Kulukhuni kuwe ukukhahlela ezinkandini.
[15] Kepha mina ngathi: Ungubani, Nkosi, na? INkosi yathi: Mina nginguJesu omzingelayo.
[16]Kepha sukuma, ume ngezinyawo zakho; ngokuba ngibonakele kuwe ngalokho ukuba ngikumise ube yisikhonzi nofakazi walokhu kungibona kwakho nowalokhu engizakuzibonakalisa kuwe ngakho,
[17]ngikophule esizweni nakwabezizwe engikuthumela kubo
[18] ukuvula amehlo abo ukuba basuke ebumnyameni, baphendukele

potestade de Satanás para Deus, a fim de que recebam eles remissão de pecados e herança entre os que são santificados pela fé em mim.

ekukhanyeni, basuke emandleni kaSathane, baphendukele kuNkulunkulu, ukuze bamukeliswe ukuthethelelwa kwezono nesabelo phakathi kwabangcwelisiweyo ngokukholwa kimi.

[19] Pelo que, ó rei Agripa, não fui desobediente à visão celestial,

[19] Ngalokho, nkosi Agripha, angibanga ngongawulaleliyo umbono wasezulwini,

[20] mas anunciei primeiramente aos de Damasco e em Jerusalém, por toda a região da Judéia, e aos gentios, que se arrependessem e se convertessem a Deus, praticando obras dignas de arrependimento.

[20] kodwa ngamemezela kuqala kwabaseDamaseku nakwabaseJerusalema, nakulo lonke izwe laseJudiya nakwabezizwe ukuba baphenduke, baguqukele kuNkulunkulu, benze imisebenzi efanele ukuphenduka.

[21] Por causa disto, alguns judeus me prenderam, estando eu no templo, e tentaram matar-me.

[21] Ngenxa yalokho abaJuda bangibamba ethempelini, balinga ukungibulala.

[22] Mas, alcançando socorro de Deus, permaneço até ao dia de hoje, dando testemunho, tanto a pequenos como a grandes, nada dizendo, senão o que os profetas e Moisés disseram haver de acontecer,

[22] Ngitholile usizo kuNkulunkulu ngimi kuze kube kulolu suku ngifakaza kwabancane nakwabakhulu, angikhulumi lutho ngaphandle kwalokho abakukhulumile abaprofethi noMose ukuthi kuzakwenzeka,

[23] isto é, que o Cristo devia padecer e, sendo o primeiro da ressurreição dos mortos, anunciaria a luz ao povo e aos gentios.

[23] ukuthi uKristu nga ehlupheka nokuthi engowokuqala ekuvukeni kwabafileyo uzakumemezela ukukhanya kuso isizwe nakwabezizwe.

Paulo é interrompido por Festo

[24] Dizendo ele estas coisas em sua defesa, Festo o interrompeu em alta voz: Estás louco, Paulo! As muitas letras te fazem delirar!

[24] Kwathi esaziphendulela kanjalo, uFestu wathi ngezwi elikhulu: Pawulu, uyahlanya; ukufunda okuningi kuyakuhlanyisa.

[25] Paulo, porém, respondeu: Não estou louco, ó excelentíssimo Festo! Pelo contrário, digo palavras de verdade e de bom senso.

[25]Kepha uPawulu wathi: Angihlanyi, Festu odumileyo, kodwa ngikhuluma amazwi ayiqiniso nawokuqonda.

[26] Porque tudo isto é do conhecimento do rei, a quem me dirijo com franqueza, pois estou persuadido de que nenhuma destas coisas lhe é oculta; porquanto nada se passou em algum lugar escondido.

[27] Acreditas, ó rei Agripa, nos profetas? Bem sei que acreditas.

[28] Então, Agripa se dirigiu a Paulo e disse: Por pouco me persuades a me fazer cristão.

[29] Paulo respondeu: Assim Deus permitisse que, por pouco ou por muito, não apenas tu, ó rei, porém todos os que hoje me ouvem se tornassem tais qual eu sou, exceto estas cadeias.

Paulo teria sido solto, se não tivesse apelado para César

[30] A essa altura, levantou-se o rei, e também o governador, e Berenice, bem como os que estavam assentados com eles;

[31] e, havendo-se retirado, falavam uns com os outros, dizendo: Este homem nada tem feito passível de morte ou de prisão.

[32] Então, Agripa se dirigiu a Festo e disse: Este homem bem podia ser solto, se não tivesse apelado para César.

Atos 27

Paulo enviado para a Itália

[1] Quando foi decidido que navegássemos para a Itália, entregaram Paulo e alguns outros presos a um centurião chamado Júlio, da Coorte Imperial.

[26] Ngokuba inkosi engikhuluma kuyo ngesibindi iyazi ngalezi zinto, ngokuba angikholwa ukuthi kukhona utho lwalokhu olufihlekile kuyo; ngokuba lokhu akwenziwanga engosini.

[27]Nkosi Agripha, uyakholwa ngabaprofethi na? Ngiyazi ukuthi uyakholwa.

[28]U-Agripha wathi kuPawulu: Kusilele kancane ungivumise ngibe ngumKristu.

[29] UPawulu wayesethi: Bengingafisa kuNkulunkulu ukuba, noma kukancane noma kukakhulu, kungabi wena wedwa kodwa bonke abangizwayo namuhla babe njengami, ngaphandle kwalezi zibopho.

[30]Inkosi yayisisukuma nombusi noBernike kanye nababehlezi nabo;

[31]kwathi sebegudlukile, bakhuluma bodwa, bathi: Lo muntu akenzi lutho olufanele ukufa noma izibopho.

[32] Kepha u-Agripha wathi kuFestu: Lo muntu ngabe ekhululiwe, uma ebengalidluliselanga kuKesari.

IzEnzo 27

UPawulu eyisiboshwa uhamba ngomkhumbi eya eRoma

[1] Kwathi sekunqunyiwe ukuba siye e-Italiya ngomkhumbi, banikela uPawulu nezinye iziboshwa ezithile enduneni yekhulu, igama layo linguJuliyu, eyebutho likaKesari.

[2] Embarcando num navio adramitino, que estava de partida para costear a Ásia, fizemo-nos ao mar, indo conosco Aristarco, macedônio de Tessalônica.

[3] No dia seguinte, chegamos a Sidom, e Júlio, tratando Paulo com humanidade, permitiu-lhe ir ver os amigos e obter assistência.

[4] Partindo dali, navegamos sob a proteção de Chipre, por serem contrários os ventos;

[5] e, tendo atravessado o mar ao longo da Cilícia e Panfília, chegamos a Mirra, na Lícia.

[6] Achando ali o centurião um navio de Alexandria, que estava de partida para a Itália, nele nos fez embarcar.

[7] Navegando vagarosamente muitos dias e tendo chegado com dificuldade defronte de Cnido, não nos sendo permitido prosseguir, por causa do vento contrário, navegamos sob a proteção de Creta, na altura de Salmona.

[8] Costeando-a, penosamente, chegamos a um lugar chamado Bons Portos, perto do qual estava a cidade de Laséia.

Os perigos da viagem

[9] Depois de muito tempo, tendo-se tornado a navegação perigosa, e já passado o tempo do Dia do Jejum, admoestava-os Paulo,

[10] dizendo-lhes: Senhores, vejo que a viagem vai ser trabalhosa, com dano e muito prejuízo, não só da carga e do navio, mas também da nossa vida.

[2] Sangena emkhunjini wase-Adramitiyu obusuzakuya ezindaweni zangase-Asiya, u-Aristarku umMakedoniya waseThesalonika enathi.

[3] Ngangomuso safika eSidoni; uJuliyu wamphatha kahle uPawulu, wamvumela ukuba aye kubahlobo bakhe, ahlunyelelwe.

[4]Sasuka lapho, sagudla ngenzansi kweKhupro, ngokuba imimoya yayiphambene nathi.

[5]Sesidabulile ulwandle olungaseKhilikhiya nePhamfiliya safika eMira laseLikhiya.

[6]Lapho-ke induna yafumana umkhumbi wase-Aleksandriya oqonde e-Italiya, yasingenisa kuwo.

[7]Sesihambe kancane izinsuku eziningi saze safika kalukhuni ngaseKinidu, umoya ungasivumeli, sagudla iKrethe maqondana neSalimone,

[8]sagudla lona kalukhuni, safika endaweni ethile ethiwa Matheku Mahle; eduze nayo kukhona umuzi waseLaseya.

[9] Kwathi sekudlulile isikhathi eside, sekuyingozi ukuhamba ngomkhumbi, ngokuba isikhathi seNzilo sase sidlulile, uPawulu wabaluleka,

[10] wathi kubo: Madoda, ngiyabona ukuthi lolu hambo luzakuba nengozi nokuchithakala okukhulu, kungabi ngokwempahla nokomkhumbi kuphela kepha nokokuphila kwethu.

[11] Mas o centurião dava mais crédito ao piloto e ao mestre do navio do que ao que Paulo dizia.

[11]Kepha induna yekhulu yethemba umshayeli womkhumbi nomniniwo kakhulu kunalokho okwakhulunywa nguPawulu.

[12] Não sendo o porto próprio para invernar, a maioria deles era de opinião que partissem dali, para ver se podiam chegar a Fenice e aí passar o inverno, visto ser um porto de Creta, o qual olhava para o nordeste e para o sudeste.

[12]Njengokuba itheku lalingalungile ukuhlala khona ebusika, iningi labo laluleka ukuba kusukwe khona, mhlawumbe kwenzeke ukuba bafinyelele eFeniksi, itheku laseKrethe elibheke entshonalanga yaseningizimu nasentshonalanga yasenyakatho, bahlale khona ebusika.

[13] Soprando brandamente o vento sul, e pensando eles ter alcançado o que desejavam, levantaram âncora e foram costeando mais de perto a ilha de Creta.

[13]Kuthe iningizimu isaphephetha kahle, bacabanga ukuthi sebetholile ababekuqondile, bakhuphula ihange, bagudla iKrethe.

[14] Entretanto, não muito depois, desencadeou-se, do lado da ilha, um tufão de vento, chamado Euroaquilão;

[14]Kepha emva kwesikhathi esingeside kwavuka kwehla kulo umoya oyisivunguvungu othiwa i-Ewurakiloni;

[15] e, sendo o navio arrastado com violência, sem poder resistir ao vento, cessamos a manobra e nos fomos deixando levar.

[15]kodwa umkhumbi usududulwa ungasenakubhekana nomoya, sayeka saqhutshwa nje.

[16] Passando sob a proteção de uma ilhota chamada Cauda, a custo conseguimos recolher o bote;

[16]Kwathi sigudla ngenzansi kwesiqhingana esithiwa iKlawuda, sabamba isikebhe kalukhuni;

[17] e, levantando este, usaram de todos os meios para cingir o navio, e, temendo que dessem na Sirte, arriaram os aparelhos, e foram ao léu.

[17]sebe sikhuphulile basebenzisa izinto zokusiza, bawuzongolozela umkhumbi ngezintambo; kuthe besaba ukuthi bazakukhahleleka eSirti, behlisa izindwangu zomkhumbi, baqhutshwa kanjalo.

[18] Açoitados severamente pela tormenta, no dia seguinte, já aliviavam o navio.

[18]Kuthe ukuba sibhengulwe kakhulu yisiphepho, ngangomuso bachitha umthwalo;

[19] E, ao terceiro dia, nós mesmos, com as próprias mãos, lançamos ao mar a armação do navio.

[19]kwathi ngolwesithathu balahla izimpahla zomkhumbi ngezandla zabo.

[20] E, não aparecendo, havia já alguns dias, nem sol nem estrelas, caindo sobre nós grande tempestade, dissipou-se, afinal, toda a esperança de salvamento.

[20]Khona-ke ilanga nezinkanyezi zingasabonakali izinsuku eziningi, nesiphepho esingesincane siqinisa njalo, lase liphela ithemba lonke lokuba singasindiswa.

[21] Havendo todos estado muito tempo sem comer, Paulo, pondo-se em pé no meio deles, disse: Senhores, na verdade, era preciso terem-me atendido e não partir de Creta, para evitar este dano e perda.

[21]Sekuyisikhathi eside bengasadli lutho, uPawulu wasukuma phakathi kwabo, wathi: Madoda, ngabe nalalela mina, kanamuka eKrethe, naphepha kule ngozi nakulokhu kuchithakala.

[22] Mas, já agora, vos aconselho bom ânimo, porque nenhuma vida se perderá de entre vós, mas somente o navio.

[22]Kepha manje senginiluleka ukuba nime isibindi, ngokuba akuyikufa muntu kini, umkhumbi kuphela.

[23] Porque, esta mesma noite, um anjo de Deus, de quem eu sou e a quem sirvo, esteve comigo,

[23] Ngokuba ngalobu busuku bekumi ngakimi ingelosi kaNkulunkulu engingowakhe nengimkhonzayo,

[24] dizendo: Paulo, não temas! É preciso que compareças perante César, e eis que Deus, por sua graça, te deu todos quantos navegam contigo.

[24]yathi: Ungesabi, Pawulu; umelwe ukuma phambi kukaKesari; bheka, uNkulunkulu ukuphile bonke abahamba nawe emkhunjini.

[25] Portanto, senhores, tende bom ânimo! Pois eu confio em Deus que sucederá do modo por que me foi dito.

[25]Ngalokho yimani isibindi, madoda; ngokuba ngiyakholwa nguNkulunkulu ukuthi kuzakuba njengalokho kukhulunyiwe kimi.

[26] Porém é necessário que vamos dar a uma ilha.

[26] Kepha simelwe ukukhahleleka esiqhingini esithile.

O naufrágio

[27] Quando chegou a décima quarta noite, sendo nós batidos de um lado para outro no mar Adriático, por volta da meia-noite, pressentiram os marinheiros que se aproximavam de alguma terra.

[27]Kwathi ukuba kufike ubusuku beshumi nane sisazulazuliswa elwandle lwase-Adriya phakathi kobusuku, abomkhumbi bacabanga ukuthi bayasondela ezweni elithile.

[28] E, lançando o prumo, acharam vinte braças; passando um pouco mais adiante, tornando a lançar o prumo, acharam quinze braças.	[28]Base bephonsa intambo yokulinganisa, bafumana kungamafatome angamashumi amabili; sebeqhubekile kancane bayiphonsa futhi, bafumana kungamafatome ayishumi nanhlanu;
[29] E, receosos de que fôssemos atirados contra lugares rochosos, lançaram da popa quatro âncoras e oravam para que rompesse o dia.	[29]besaba ukuthi mhlawumbe singashayeka ezindaweni ezinamadwala, baphonsa amahange amane ngasemuva, bafisa ukuba kuse.
[30] Procurando os marinheiros fugir do navio, e, tendo arriado o bote no mar, a pretexto de que estavam para largar âncoras da proa,	[30]Abomkhumbi sebefuna ukubaleka emkhunjini, behlisela isikebhe elwandle ngokungathi bazakuphonsa amahange enhlokweni yomkhumbi,
[31] disse Paulo ao centurião e aos soldados: Se estes não permanecerem a bordo, vós não podereis salvar-vos.	[31]uPawulu wathi enduneni yekhulu nasemabuthweni: Uma laba bengahlali emkhunjini, ningesindiswe nina.
[32] Então, os soldados cortaram os cabos do bote e o deixaram afastar-se.	[32]Khona amabutho anquma amagoda esikebhe, asidedela sawa.
[33] Enquanto amanhecia, Paulo rogava a todos que se alimentassem, dizendo: Hoje, é o décimo quarto dia em que, esperando, estais sem comer, nada tendo provado.	[33]Kwathi sekuzakusa, uPawulu wabancenga bonke ukuba badle, wathi: Namuhla kulusuku lweshumi nane nilindile, nihlezi nizila, ningadli lutho.
[34] Eu vos rogo que comais alguma coisa; porque disto depende a vossa segurança; pois nenhum de vós perderá nem mesmo um fio de cabelo.	[34] Ngalokho ngiyanincenga ukuba nidle, ngokuba lokhu kungokokusinda kwenu; akuyikulahleka unwele lwekhanda nakoyedwa phakathi kwenu.
[35] Tendo dito isto, tomando um pão, deu graças a Deus na presença de todos e, depois de o partir, começou a comer.	[35] Eseshilo lokho wathatha isinkwa, wabonga uNkulunkulu phambi kwabo bonke, wasihlephula, waqala ukudla.
[36] Todos cobraram ânimo e se puseram também a comer.	[36]Base bema isibindi bonke, badla nabo.
[37] Estávamos no navio duzentas e setenta e seis pessoas ao todo.	[37]Thina sonke esasisemkhunjini besingabantu abangamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nesithupha.

[38] Refeitos com a comida, aliviaram o navio, lançando o trigo ao mar.
[39] Quando amanheceu, não reconheceram a terra, mas avistaram uma enseada, onde havia praia; então, consultaram entre si se não podiam encalhar ali o navio.

[40] Levantando as âncoras, deixaram-no ir ao mar, largando também as amarras do leme; e, alçando a vela de proa ao vento, dirigiram-se para a praia.

[41] Dando, porém, num lugar onde duas correntes se encontravam, encalharam ali o navio; a proa encravou-se e ficou imóvel, mas a popa se abria pela violência do mar.

[42] O parecer dos soldados era que matassem os presos, para que nenhum deles, nadando, fugisse;
[43] mas o centurião, querendo salvar a Paulo, impediu-os de o fazer; e ordenou que os que soubessem nadar fossem os primeiros a lançar-se ao mar e alcançar a terra.
[44] Quanto aos demais, que se salvassem, uns, em tábuas, e outros, em destroços do navio. E foi assim que todos se salvaram em terra.

Atos 28

A ilha de Malta

[1] Uma vez em terra, verificamos que a ilha se chamava Malta.
[2] Os bárbaros trataram-nos com singular humanidade, porque, acendendo uma

[38]Sebesuthi ukudla benza lula umkhumbi belahla ukolweni elwandle.
[39]Sekusile, abalazanga izwe, kepha babona itheku elithile elinesihlabathi abanquma ukuba baqhubele kulo umkhumbi, uma kungenzeka.
[40]Banquma amahange bawashiya elwandle, bathukulula futhi izintambo zamaphini okuqondisa, baphakamisela emoyeni indwangu ephambili, baqonda ogwini.
[41]Batheleka endaweni enolwandle nxazombili, baqhubela umkhumbi kuyo, inhloko yomkhumbi yagxumekeka, yema ingenakunyakaziswa, kepha ingasemuva laphulwa ngamandla amaza.
[42]Kepha amabutho ayehlosa ukubulala iziboshwa, funa ezinye zibaleke ngokuhlamba;
[43]kepha induna yekhulu ithanda ukusindisa uPawulu yawavimbela enhlosweni yawo, yayala ukuba labo abakwazi ukuhlamba baziphonse kuqala emanzini, bafike emhlabathini,
[44]nabaseleyo bafike, abanye ngamapulangwe, abanye ngezinye izinto zomkhumbi. Kanjalo-ke kwenzeka ukuba bonke baphumele emhlabathini besindile.

IzEnzo 28

UPawulu nabanye bamukelwa kahle ngabaseMelitha

[1] Kwathi sesisindile khona, sezwa ukuthi isiqhingi sithiwa iMelitha.
[2]Abantu bakhona basiphatha ngobubele obungavamile, ngokuba babebasa umlilo,

fogueira, acolheram-nos a todos por causa da chuva que caía e por causa do frio.

[3] Tendo Paulo ajuntado e atirado à fogueira um feixe de gravetos, uma víbora, fugindo do calor, prendeu-se-lhe à mão.

[4] Quando os bárbaros viram a víbora pendente da mão dele, disseram uns aos outros: Certamente, este homem é assassino, porque, salvo do mar, a Justiça não o deixa viver.

[5] Porém ele, sacudindo o réptil no fogo, não sofreu mal nenhum;

[6] mas eles esperavam que ele viesse a inchar ou a cair morto de repente. Mas, depois de muito esperar, vendo que nenhum mal lhe sucedia, mudando de parecer, diziam ser ele um deus.

Públio hospeda a Paulo

[7] Perto daquele lugar, havia um sítio pertencente ao homem principal da ilha, chamado Públio, o qual nos recebeu e hospedou benignamente por três dias.

[8] Aconteceu achar-se enfermo de disenteria, ardendo em febre, o pai de Públio. Paulo foi visitá-lo, e, orando, impôs-lhe as mãos, e o curou.

[9] À vista deste acontecimento, os demais enfermos da ilha vieram e foram curados,

[10] os quais nos distinguiram com muitas honrarias; e, tendo nós de prosseguir viagem, nos puseram a bordo tudo o que era necessário.

A continuação da viagem

basamukela sonke ngenxa yemvula eyayisina nangenxa yamakhaza.

[3]Kepha uPawulu ecakashile ixha lezinsaba, elibeka emlilweni, kwaphuma inyoka ngenxa yokushisa, yanamathela esandleni sakhe.

[4]Abantu bakhona sebebona isilwane silenga esandleni sakhe, bakhuluma bodwa, bathi: Ngempela lo muntu ungumbulali othi noma esindile elwandle ukuLunga akuvumi ukuba aphile.

[5] Kodwa yena wasinikinela isilwane emlilweni, akaze alimala.

[6] Kepha babheka ukuthi usezakuvuvuka, nokuba awe phansi masinyane, afe. Kepha sebebheka isikhathi eside, bebona ukuthi akafikelwa ngozi, baphenduka bathi ungunkulunkulu.

UPawulu uphilisa iziguli

[7]Kwakukhona kuleyo ndawo izwe lesikhulu sesiqhingi, igama laso linguPhubiliyu; yena wasamukela, wasiphatha kahle izinsuku ezintathu.

[8]Kepha uyise kaPhubiliyu wayelele phansi ephethwe ngumkhuhlane nembo; uPawulu wangena kuye, wakhuleka, wabeka izandla phezu kwakhe, wamphilisa.

[9]Kwathi lokho sekwenzekile, beza nabanye abasesiqhingini abanezifo, baphulukiswa,

[10]basitusa ngokutusa okuningi; kwathi mhla simuka ngomkhumbi, basinika esikudingayo.

[11] Ao cabo de três meses, embarcamos num navio alexandrino, que invernara na ilha e tinha por emblema Dióscuros.

[12] Tocando em Siracusa, ficamos ali três dias,

[13] donde, bordejando, chegamos a Régio. No dia seguinte, tendo soprado vento sul, em dois dias, chegamos a Putéoli,

[14] onde achamos alguns irmãos que nos rogaram ficássemos com eles sete dias; e foi assim que nos dirigimos a Roma.

[15] Tendo ali os irmãos ouvido notícias nossas, vieram ao nosso encontro até à Praça de Ápio e às Três Vendas. Vendo-os Paulo e dando, por isso, graças a Deus, sentiu-se mais animado.

Paulo em Roma

[16] Uma vez em Roma, foi permitido a Paulo morar por sua conta, tendo em sua companhia o soldado que o guardava.

[17] Três dias depois, ele convocou os principais dos judeus e, quando se reuniram, lhes disse: Varões irmãos, nada havendo feito contra o povo ou contra os costumes paternos, contudo, vim preso desde Jerusalém, entregue nas mãos dos romanos;

[18] os quais, havendo-me interrogado, quiseram soltar-me sob a preliminar de não haver em mim nenhum crime passível de morte.

[11]Emva kwezinyanga ezintathu sase simuka ngomkhumbi wase-Aleksandriya owawudlulisa ubusika esiqhingini, uphawu lwawo lungolwamaWele.

[12]Sangena eSirakhuse, sahlala izinsuku ezintathu;

[13]sasuka lapho, sagwegwesa, safika eRegiyu. Sekudlule usuku lwaba lunye, kwavuka iningizimu, safika ePhutheyoli ngosuku lwesibili.

UPawulu ufika eRoma

[14]Safumana khona abazalwane, sancengwa ukuba sihlale nabo izinsuku eziyisikhombisa; kanjalo safika eRoma.

[15]Abazalwame sebezwile ngathi basuka khona, beza ukusihlangabeza baze bafika e-Aphiyo Foru naseTresi Thaberne; uPawulu ebabona wabonga uNkulunkulu, wema isibindi.

[16]Sesifikile eRoma, uPawulu wavunyelwa ukuhlala yedwa enebutho elimlindayo.

[17] Kwathi emva kwezinsuku ezintathu wabizela ndawonye kuye abakhulu babaJuda; sebebuthene, wathi kubo: Madoda, bazalwame, noma mina ngingenzanga lutho oluphambene nesizwe namasiko awobaba, nokho ngasuswa eJerusalema ngiyisiboshwa, nganikelwa ezandleni zamaRoma;

[18] wona esengihlolile afuna ukungikhulula, ngokuba kungekho cala kimi lokuba ngife;

[19] Diante da oposição dos judeus, senti-me compelido a apelar para César, não tendo eu, porém, nada de que acusar minha nação.

[20] Foi por isto que vos chamei para vos ver e falar; porque é pela esperança de Israel que estou preso com esta cadeia.

[21] Então, eles lhe disseram: Nós não recebemos da Judéia nenhuma carta que te dissesse respeito; também não veio qualquer dos irmãos que nos anunciasse ou dissesse de ti mal algum.

[22] Contudo, gostaríamos de ouvir o que pensas; porque, na verdade, é corrente a respeito desta seita que, por toda parte, é ela impugnada.

Paulo prega em Roma

[23] Havendo-lhe eles marcado um dia, vieram em grande número ao encontro de Paulo na sua própria residência. Então, desde a manhã até à tarde, lhes fez uma exposição em testemunho do reino de Deus, procurando persuadi-los a respeito de Jesus, tanto pela lei de Moisés como pelos profetas.

[24] Houve alguns que ficaram persuadidos pelo que ele dizia; outros, porém, continuaram incrédulos.

[25] E, havendo discordância entre eles, despediram-se, dizendo Paulo estas palavras: Bem falou o Espírito Santo a vossos pais, por intermédio do profeta Isaías, quando disse:

[19] kepha abaJuda bekuphikisa, ngacindezelwa ukuba ngilidlulisele kuKesari, kungesikho ukuthi ngisimangalela isizwe sakithi ngalutho.

[20] Ngakho ngaleso sizathu nginibizele lapha ukuba nginibone, ngikhulume nani; ngokuba ngenxa yethemba lika-Israyeli ngiboshiwe ngaleli ketanga.

[21]Base bethi kuye: Thina asamukelanga ncwadi ngawe evela eJudiya, akufikanga namuntu wabazalwane ukubika nokukhuluma utho olubi ngawe.

[22] Kepha sithi kufanele sizwe kuwe okucabangayo, ngokuba siyazi ngaleli hlelo ukuthi liyaphikiswa ezindaweni zonke.

[23] Khona sebemmisele usuku beza kuye endlini yakhe bebaningi, wabachasisela efakaza ngombuso kaNkulunkulu, wabaqondisa ngoJesu ethathela emthethweni kaMose nakubaprofethi, kusukela ekuseni kwaze kwahlwa.

[24] Abanye baneliswa ngokwakhulunywayo, abanye abakholwanga;

[25] kwathi ukuba bangezwani bodwa, bamuka, uPawulu esekhuluma izwi labalinye lokuthi: Wakhuluma kahle uMoya oNgcwele ngo-Isaya umprofethi koyihlo

[26] Vai a este povo e dize-lhe: De ouvido, ouvireis e não entendereis; vendo, vereis e não percebereis.

[27] Porquanto o coração deste povo se tornou endurecido; com os ouvidos ouviram tardiamente e fecharam os olhos, para que jamais vejam com os olhos, nem ouçam com os ouvidos, para que não entendam com o coração, e se convertam, e por mim sejam curados.

[28] Tomai, pois, conhecimento de que esta salvação de Deus foi enviada aos gentios. E eles a ouvirão.

[29] [Ditas estas palavras, partiram os judeus, tendo entre si grande contenda.]

Paulo prisioneiro durante dois anos

[30] Por dois anos, permaneceu Paulo na sua própria casa, que alugara, onde recebia todos que o procuravam,

[31] pregando o reino de Deus, e, com toda a intrepidez, sem impedimento algum, ensinava as coisas referentes ao SENHOR Jesus Cristo.

[26] ngokuthi: Hamba uye kulesi sizwe, uthi: Ngokuzwa niyakuzwa, ningaze naqonda, nangokubona niyakubona, ningaze nabonisisa,

[27]ngokuba inhliziyo yalesi sizwe seyaba buthuntu; bezwa kanzima ngezindlebe, amehlo abo bawacimezile, funa mhlawumbe babone ngamehlo, bezwe ngezindlebe, baqonde ngenhliziyo, baphenduke, ngibaphilise.

[28] Ngakho-ke makwazeke kini ukuthi le nsindiso kaNkulunkulu ithunyelwe kwabezizwe; bona-ke bayakuzwa.

[29]Kwathi eseshilo lokho, abaJuda baphuma benokuphikisana okukhulu phakathi kwabo.

[30]Kepha uPawulu wahlala iminyaka emibili egcwele endlini yakhe ayiqashileyo, wamukela bonke abeza kuye,

[31]washumayela umbuso kaNkulunkulu, wafundisa ngaso sonke isibindi izindaba zeNkosi uJesu Kristu, enganqatshelwa muntu.

Epístola de Paulo aos Romanos

Romanos 1

Prefácio e saudação

[1] Paulo, servo de Jesus Cristo, chamado para ser apóstolo, separado para o evangelho de Deus,

[2] o qual foi por Deus, outrora, prometido por intermédio dos seus profetas nas Sagradas Escrituras,

[3] com respeito a seu Filho, o qual, segundo a carne, veio da descendência de Davi

[4] e foi designado Filho de Deus com poder, segundo o espírito de santidade pela ressurreição dos mortos, a saber, Jesus Cristo, nosso SENHOR,

[5] por intermédio de quem viemos a receber graça e apostolado por amor do seu nome, para a obediência por fé, entre todos os gentios,

[6] de cujo número sois também vós, chamados para serdes de Jesus Cristo.

[7] A todos os amados de Deus, que estais em Roma, chamados para serdes santos, graça a vós outros e paz, da parte de Deus, nosso Pai, e do SENHOR Jesus Cristo.

O amor de Paulo pelos cristãos de Roma. Seu desejo de vê-los

[8] Primeiramente, dou graças a meu Deus, mediante Jesus Cristo, no tocante a todos vós, porque, em todo o mundo, é proclamada a vossa fé.

[9] Porque Deus, a quem sirvo em meu espírito, no evangelho de seu Filho, é minha testemunha de como incessantemente faço menção de vós

KwabaseRoma

KwabaseRoma 1

Isibingelelo

[1] UPawulu, inceku kaKristu Jesu, umphostoli obiziweyo nowahlukaniselwe ivangeli likaNkulunkulu,

[2] alethembisa ngaphambili ngabaprofethi bakhe emibhalweni engcwele

[3] mayelana neNdodana yakhe eyavela enzalweni kaDavide ngokwenyama,

[4] eyabonakaliswa ngamandla ukuthi iyiNdodana kaNkulunkulu ngokoMoya wobungcwele ngokuvuka kwabafileyo, uJesu Kristu iNkosi yethu

[5] esamukela ngaye umusa nobuphostoli kube ngukulalela kokukholwa ezizweni zonke ngenxa yegama lakhe,

[6] enikuzo nani eningababiziweyo bakaJesu Kristu,

[7]kubo bonke abathandiweyo bakaNkulunkulu abaseRoma, ababiziweyo, abangcwele: Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu.

Isifiso sikaPawulu ukushumayela ivangeli eRoma

[8] Kuqala-ke ngibonga uNkulunkulu wami ngoJesu Kristu ngani nonke, ngokuba ukukholwa kwenu kunconywa ezweni lonke.

[9]Ngokuba uNkulunkulu, engimkhonza emoyeni wami ngevangeli leNdodana yakhe, ungufakazi wami wokuthi ngokungaphezi ngiyanikhumbula

[10] em todas as minhas orações, suplicando que, nalgum tempo, pela vontade de Deus, se me ofereça boa ocasião de visitar-vos.

[11] Porque muito desejo ver-vos, a fim de repartir convosco algum dom espiritual, para que sejais confirmados,

[12] isto é, para que, em vossa companhia, reciprocamente nos confortemos por intermédio da fé mútua, vossa e minha.

[13] Porque não quero, irmãos, que ignoreis que, muitas vezes, me propus ir ter convosco (no que tenho sido, até agora, impedido), para conseguir igualmente entre vós algum fruto, como também entre os outros gentios.

[14] Pois sou devedor tanto a gregos como a bárbaros, tanto a sábios como a ignorantes;

[15] por isso, quanto está em mim, estou pronto a anunciar o evangelho também a vós outros, em Roma.

O assunto da epístola: a justiça pela fé em Jesus Cristo

[16] Pois não me envergonho do evangelho, porque é o poder de Deus para a salvação de todo aquele que crê, primeiro do judeu e também do grego;

[17] visto que a justiça de Deus se revela no evangelho, de fé em fé, como está escrito: O justo viverá por fé.

A idolatria e depravação dos homens

[18] A ira de Deus se revela do céu contra toda impiedade e perversão dos homens que detêm a verdade pela injustiça;

[10]njalo emikhulekweni yami, nginxusa ukuba, uma kungenzeka ngentando kaNkulunkulu, ngiphumelele ukufika kini.

[11] Ngokuba ngilangazelela ukunibona ukuze nginabele isipho esithile somusa sokomoya ukuba niqiniswe,

[12] okungukuthi siduduzane kanye nani phakathi kwenu ngokukholwa kwethu okwenu nokwami.

[13]Angithandi, bazalwane, ukuba ningazi ukuthi ngazimisela kaningi ukuza kini, kepha ngathiyeka kuze kube manje ukuba nakini ngibe nezithelo njengakwezinye izizwe.

[14] Nginecala kumaGreki nakwabezizwe, kwabahlakaniphileyo nakwabangaqondiyo;

[15] kanjalo mina ngokwami nginesifiso sokushumayela ivangeli nakinina baseRoma.

[16] Ngokuba anginamahloni ngevangeli; ngokuba lingamandla kaNkulunkulu, kube yinsindiso kulowo nalowo okholwayo, kumJuda kuqala, nakumGreki.

[17] Ngokuba ukulunga kukaNkulunkulu kwambulwa kulo, kuvela ekukholweni, kuyisa ekukholweni, njengokulotshiweyo ukuthi: Olungileyo uzakuphila ngokukholwa.

Intukuthelo kaNkulunkulu ngezono zabezizwe

[18] Ngokuba intukuthelo kaNkulunkulu yambulwa ivela ezulwini phezu kwakho konke ukungamesabi uNkulunkulu

nokungalungi kwabantu abathiya iqiniso ngokungalungi,

[19] porquanto o que de Deus se pode conhecer é manifesto entre eles, porque Deus lhes manifestou.

[19] ngokuba lokho okwazekayo ngoNkulunkulu kusobala phakathi kwabo; ngokuba uNkulunkulu ukubonakalisile kubo.

[20] Porque os atributos invisíveis de Deus, assim o seu eterno poder, como também a sua própria divindade, claramente se reconhecem, desde o princípio do mundo, sendo percebidos por meio das coisas que foram criadas. Tais homens são, por isso, indesculpáveis;

[20] Ngokuba okungabonwayo kwakhe, kuthi amandla akhe aphakade nobuNkulunkulu bakhe kubonakala kwasekudalweni kwezwe, ngokuba kuqondakala ngezenzo zakhe, ukuze bangabi nakuzilandulela,

[21] porquanto, tendo conhecimento de Deus, não o glorificaram como Deus, nem lhe deram graças; antes, se tornaram nulos em seus próprios raciocínios, obscurecendo-se-lhes o coração insensato.

[21] ngokuba kuthe bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga, kabambonganga njengoNkulunkulu, kodwa balutheka ekuzindleni kwabo; inhliziyo yabo engaqondiyo yaba mnyama.

[22] Inculcando-se por sábios, tornaram-se loucos

[22]Bezisho ukuthi bahlakaniphile baba yiziwula,

[23] e mudaram a glória do Deus incorruptível em semelhança da imagem de homem corruptível, bem como de aves, quadrúpedes e répteis.

[23] nenkazimulo kaNkulunkulu ongabhubhiyo bayiguqula ifane nomfanekiso womuntu obhubhayo, owezinyoni, nowezilwane ezinezinyawo ezine nezinwabuzelayo.

[24] Por isso, Deus entregou tais homens à imundícia, pelas concupiscências de seu próprio coração, para desonrarem o seu corpo entre si;

[24] Ngalokho uNkulunkulu wabanikela ezinkanukweni zezinhliziyo zabo kukho ukungcola, bahlazisane imizimba yabo,

[25] pois eles mudaram a verdade de Deus em mentira, adorando e servindo a criatura em lugar do Criador, o qual é bendito eternamente. Amém!

[25]baguqule iqiniso likaNkulunkulu, balenza amanga; bahlonipha, bakhonza okudaliweyo kunoMdali ongobongekayo kuze kube phakade. Amen.

[26] Por causa disso, os entregou Deus a paixões infames; porque até as mulheres

[26] Ngenxa yalokho uNkulunkulu wabanikela ekuhuhekeni okuyihlazo;

mudaram o modo natural de suas relações íntimas por outro, contrário à natureza;

[27] semelhantemente, os homens também, deixando o contato natural da mulher, se inflamaram mutuamente em sua sensualidade, cometendo torpeza, homens com homens, e recebendo, em si mesmos, a merecida punição do seu erro.

Entregues os gentios a reprováveis sentimentos

[28] E, por haverem desprezado o conhecimento de Deus, o próprio Deus os entregou a uma disposição mental reprovável, para praticarem coisas inconvenientes,

[29] cheios de toda injustiça, malícia, avareza e maldade; possuídos de inveja, homicídio, contenda, dolo e malignidade; sendo difamadores,

[30] caluniadores, aborrecidos de Deus, insolentes, soberbos, presunçosos, inventores de males, desobedientes aos pais,

[31] insensatos, pérfidos, sem afeição natural e sem misericórdia.

[32] Ora, conhecendo eles a sentença de Deus, de que são passíveis de morte os que tais coisas praticam, não somente as fazem, mas também aprovam os que assim procedem.

Romanos 2

Os gentios e os judeus igualmente culpados. O juízo de Deus

[1] Portanto, és indesculpável, ó homem, quando julgas, quem quer que sejas;

ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza okwemvelo kwaba ngokuphambene nemvelo;

[27] ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, basha ngokukhanukelana, abesilisa benza okuyichilo kwabesilisa, bezitholela umvuzo ofanele ukuduka kwabo.

[28]Nanjengalokho bengakunakanga ukumazi uNkulunkulu, uNkulunkulu wabanikela engqondweni yokunganaki ukwenza okungafanele,

[29]begcwele konke ukungalungi, nokonakala, nesangabe, nobubi; begcwele umhawu, nokubulala, nokuphikisana, nenkohliso, nobuqili, nokuhleba;

[30]beyizinyevuzi, nabazonda uNkulunkulu, nezidlova, nabazidlayo, nabazigabisayo, nabaqambi bokubi, nabangalaleli abazali,

[31]nabangenangqondo, nabangathembekile, nabangenaluthando, nabangenasihawu,

[32] abathi besazi isimiso sokulunga sikaNkulunkulu sokuthi abenza okunjalo bafanele ukufa, abenzi lokho kuphela, kodwa babuye bavumelana nabakwenzayo.

KwabaseRoma 2

Bonke abantu baphansi kokwahlulela kukaNkulunkulu, abaJuda nabahedeni

[1] Ngakho awunakuzilandulela wena muntu, noma ungubani owahlulelayo,

porque, no que julgas a outro, a ti mesmo te condenas; pois praticas as próprias coisas que condenas.

ngokuba ngalokho owahlulela ngakho omunye uyazilahla wena, ngokuba wena owahlulelayo uyakwenza khona lokho nawe.

2 Bem sabemos que o juízo de Deus é segundo a verdade contra os que praticam tais coisas.

2Siyazi ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu ngokweqiniso kubehlela abenza okunjalo.

3 Tu, ó homem, que condenas os que praticam tais coisas e fazes as mesmas, pensas que te livrarás do juízo de Deus?

3Ucabanga lokho yini wena muntu owahlulela abenza okunjalo, ubukwenza nawe, ukuthi uyakubalekela ukwahlulela kukaNkulunkulu na?

4 Ou desprezas a riqueza da sua bondade, e tolerância, e longanimidade, ignorando que a bondade de Deus é que te conduz ao arrependimento?

4 Kumbe uyayidelela yini ingcebo yobumnene, neyokubekezela, neyenyewe yakhe, ungazi ukuthi ubumnene bukaNkulunkulu bukuyisa ekuphendukeni na?

5 Mas, segundo a tua dureza e coração impenitente, acumulas contra ti mesmo ira para o dia da ira e da revelação do justo juízo de Deus,

5 Kepha ngobulukhuni bakho nangenhliziyo engaphendukiyo uzibekelela ulaka ngosuku lolaka nolokwambulwa kokwahlulela okulungileyo kukaNkulunkulu

6 que retribuirá a cada um segundo o seu procedimento:

6 oyakuvuza yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe:

7 a vida eterna aos que, perseverando em fazer o bem, procuram glória, honra e incorruptibilidade;

7 labo abafuna ngokukhuthazela ekwenzeni okuhle inkazimulo nodumo nokungabhubhi bothola ukuphila okuphakade;

8 mas ira e indignação aos facciosos, que desobedecem à verdade e obedecem à injustiça.

8kepha labo abanombango bengalaleli iqiniso, belalela ukungalungi, bothola ulaka nentukuthelo.

9 Tribulação e angústia virão sobre a alma de qualquer homem que faz o mal, ao judeu primeiro e também ao grego;

9 Usizi nokubandezeka kuyakwehlela imiphefumulo yabantu bonke abenza okubi, umJuda kuqala, nomGreki futhi;

[10] glória, porém, e honra, e paz a todo aquele que pratica o bem, ao judeu primeiro e também ao grego.
[11] Porque para com Deus não há acepção de pessoas.

[12] Assim, pois, todos os que pecaram sem lei também sem lei perecerão; e todos os que com lei pecaram mediante lei serão julgados.

[13] Porque os simples ouvidores da lei não são justos diante de Deus, mas os que praticam a lei hão de ser justificados.

[14] Quando, pois, os gentios, que não têm lei, procedem, por natureza, de conformidade com a lei, não tendo lei, servem eles de lei para si mesmos.
[15] Estes mostram a norma da lei gravada no seu coração, testemunhando-lhes também a consciência e os seus pensamentos, mutuamente acusando-se ou defendendo-se,
[16] no dia em que Deus, por meio de Cristo Jesus, julgar os segredos dos homens, de conformidade com o meu evangelho.

Os judeus são indesculpáveis

[17] Se, porém, tu, que tens por sobrenome judeu, e repousas na lei, e te glorias em Deus;
[18] que conheces a sua vontade e aprovas as coisas excelentes, sendo instruído na lei;

[19] que estás persuadido de que és guia dos cegos, luz dos que se encontram em trevas,

[10] kepha inkazimulo nodumo nokuthula kubo bonke abenza okuhle, kumJuda kuqala, nakumGreki futhi.
[11] Ngokuba akukho ukukhetha umuntu kuNkulunkulu.
[12]Ngokuba bonke abonileyo bengenamthetho bayakubhubha bengenamthetho; kepha bonke abonileyo benomthetho bayakwahlulelwa ngomthetho;
[13] ngokuba akusibo abezwayo umthetho abangabalungile phambi kukaNkulunkulu, kepha abenzayo umthetho yibona abayakulungisiswa.
[14] Ngokuba nxa abezizwe abangenawo umthetho ngokwemvelo benza okomthetho, laba, bengenawo umthetho, bangumthetho wabo ngokwabo,
[15] babonakalisa ukuthi umsebenzi womthetho ulotshiwe ezinhliziyweni zabo, nonembeza wabo uyafakaza naye, imicabango yabo imangalelana noma ivunana,
[16] ngosuku uNkulunkulu ayakwahlulela ngalo okufihliweyo kwabantu ngokwevangeli lami ngoKristu Jesu.

Umthetho awusizi lutho, uma ungagcinwa

[17] Kepha uma uthiwa ungumJuda, wethemba umthetho, uzibonga ngoNkulunkulu,

[18]wazi intando yakhe, ukhetha okungcono, ungofundisiwe emithethweni,

[19] uzethembile wena ukuthi ungumholi wezimpumputhe, ungukukhanya kwabasebumnyameni,

[20] instrutor de ignorantes, mestre de crianças, tendo na lei a forma da sabedoria e da verdade;

[21] tu, pois, que ensinas a outrem, não te ensinas a ti mesmo? Tu, que pregas que não se deve furtar, furtas?

[22] Dizes que não se deve cometer adultério e o cometes? Abominas os ídolos e lhes roubas os templos?

[23] Tu, que te glorias na lei, desonras a Deus pela transgressão da lei?

[24] Pois, como está escrito, o nome de Deus é blasfemado entre os gentios por vossa causa.

O verdadeiro israelita

[25] Porque a circuncisão tem valor se praticares a lei; se és, porém, transgressor da lei, a tua circuncisão já se tornou incircuncisão.

[26] Se, pois, a incircuncisão observa os preceitos da lei, não será ela, porventura, considerada como circuncisão?

[27] E, se aquele que é incircunciso por natureza cumpre a lei, certamente, ele te julgará a ti, que, não obstante a letra e a circuncisão, és transgressor da lei.

[28] Porque não é judeu quem o é apenas exteriormente, nem é circuncisão a que é somente na carne.

[29] Porém judeu é aquele que o é interiormente, e circuncisão, a que é do coração, no espírito, não segundo a letra, e cujo louvor não procede dos homens, mas de Deus.

Romanos 3

[20]umyali weziwula nomfundisi wezingane, unakho ukuma kokwazi nokweqiniso emthethweni,

[21] wena-ke ofundisa omunye, awuzifundisi wena na? Wena oshumayela ukuthi akungebiwa, uyeba na?

[22]Wena othi akungaphingwa, uyaphinga na? Wena owenyanya isithombe, uphanga ithempeli na?

[23]Wena ozibonga ngomthetho, udumaza uNkulunkulu ngokweqa umthetho na?

[24]Ngokuba igama likaNkulunkulu liyahlanjalazwa phakathi kwabezizwe ngenxa yenu, njengalokho kulotshiwe.

Ukusoka kufanele kube ngukusoka kwenhliziyo

[25]Ngokuba ukusoka kuyasiza kambe, uma ugcina umthetho; kepha uma ungumeqi womthetho, ukusoka kwakho kuphenduka ukungasoki.

[26]Ngakho-ke uma ongasokile egcina izimiso zomthetho, ukungasoki kwakhe akuyikubalwa ukuthi kungukusoka na?

[27]Khona ongasokile ngokwemvelo, egcina umthetho, uzakwahlulela wena othi unombhalo nokusoka, weqe umthetho.

[28] Ngokuba umJuda kakusiye onguye ngokubonwayo, nokusoka akusikho okubonwa enyameni;

[29] kodwa umJuda yilowo onguye ngaphakathi, nokusoka kungokwenhliziyo, ngomoya kungengegama, okutuswa kwakhe kungaveli kubantu kepha kuNkulunkulu.

KwabaseRoma 3

Paulo responde a objeções

[1] Qual é, pois, a vantagem do judeu? Ou qual a utilidade da circuncisão?

[2] Muita, sob todos os aspectos. Principalmente porque aos judeus foram confiados os oráculos de Deus.

[3] E daí? Se alguns não creram, a incredulidade deles virá desfazer a fidelidade de Deus?

[4] De maneira nenhuma! Seja Deus verdadeiro, e mentiroso, todo homem, segundo está escrito: Para seres justificado nas tuas palavras e venhas a vencer quando fores julgado.

[5] Mas, se a nossa injustiça traz a lume a justiça de Deus, que diremos? Porventura, será Deus injusto por aplicar a sua ira? (Falo como homem.)

[6] Certo que não. Do contrário, como julgará Deus o mundo?

[7] E, se por causa da minha mentira, fica em relevo a verdade de Deus para a sua glória, por que sou eu ainda condenado como pecador?

[8] E por que não dizemos, como alguns, caluniosamente, afirmam que o fazemos: Pratiquemos males para que venham bens? A condenação destes é justa.

Todos os homens na condição de pecadores

[9] Que se conclui? Temos nós qualquer vantagem? Não, de forma nenhuma; pois

AbaJuda banelungelo kunabanye, ngokuba banikiwe umthetho

[1]Ngalokho kuyini umJuda adlula abanye ngakho na? Kukho, ukusoka kunokusiza kuni na?

[2] Kukhulu ngezindlela zonke. Kuqala ngokuba baphathisiwe amazwi kaNkulunkulu.

[3] Kunjani pho? Uma abanye bengakholwanga, ukungakholwa kwabo kuyakwenza ize ukukholeka kukaNkulunkulu na?

[4] Qha nakanye; kepha makube ngukuthi: UNkulunkulu uqinisile, wonke umuntu ungumqambimanga, njengokuba kulotshiwe ukuthi: Ukuze uthiwe ungolungileyo emazwini akho, unqobe ekwahlulelweni kwakho.

[5] Kepha uma ukungalungi kwethu kubonakalisa ukulunga kukaNkulunkulu, siyakuthini na? Imbala uNkulunkulu ungongalungile yini owehlisa ulaka na? Ngikhulumisa okomuntu.

[6] Qha nakanye, ngokuba uNkulunkulu uyakulahlulela kanjani izwe, pho, na?

[7]Kepha uma iqiniso likaNkulunkulu lavama ngamanga ami, kube yinkazimulo yakhe, ngisahlulelelwani futhi mina njengesoni na?

[8] Kungabi ngukuthi, njengalokhu sihlanjalazwayo nanjengalokhu abanye bathi siyasho ukuthi asenze okubi, ukuze kuvele okuhle na? Ukulahlwa kwabo kubafanele.

AbaJuda banesono njengabanye

[9] Kunjani kanti? Siyabadlula na? Qha nakanye, ngokuba bese sibamangalele

já temos demonstrado que todos, tanto judeus como gregos, estão debaixo do pecado;

10 como está escrito: Não há justo, nem um sequer,

11 não há quem entenda, não há quem busque a Deus;

12 todos se extraviaram, à uma se fizeram inúteis; não há quem faça o bem, não há nem um sequer.

13 A garganta deles é sepulcro aberto; com a língua, urdem engano, veneno de víbora está nos seus lábios,

14 a boca, eles a têm cheia de maldição e de amargura;

15 são os seus pés velozes para derramar sangue,

16 nos seus caminhos, há destruição e miséria;

17 desconheceram o caminho da paz.

18 Não há temor de Deus diante de seus olhos.

O judeu não constitui exceção

19 Ora, sabemos que tudo o que a lei diz, aos que vivem na lei o diz para que se cale toda boca, e todo o mundo seja culpável perante Deus,

20 visto que ninguém será justificado diante dele por obras da lei, em razão de que pela lei vem o pleno conhecimento do pecado.

A justificação pela fé em Jesus Cristo

21 Mas agora, sem lei, se manifestou a justiça de Deus testemunhada pela lei e pelos profetas;

abaJuda namaGreki ngokuthi bonke baphansi kwesono,

10 njengokuba kulotshiwe ukuthi: Akakho olungileyo, akakho noyedwa;

11akakho oqondayo, akakho ofuna uNkulunkulu;

12bonke baphambukile, baphenduke imbuqa bonkana; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa.

13 Umphimbo wabo uyiliba elivulekileyo, ngezilimi zabo bayakhohlisa, isihlungu sezinyoka siphansi kwezindebe zabo;

14 umlomo wabo ugcwele ukuthuka nokubaba;

15 izinyawo zabo zishesha ukuchitha igazi,

16incithakalo nosizi kusezindleleni zabo,

17indlela yokuthula abayazi.

18 Ukwesaba uNkulunkulu akukho phambi kwamehlo abo.

19 Kepha siyazi ukuthi lokhu okushoyo umthetho ukukhuluma kubo abasemthethweni ukuba yonke imilomo ivinjwe, izwe lonke libe necala kuNkulunkulu,

20 ngokuba ngemisebenzi yomthetho akukho nyama eyakulungisiswa phambi kwakhe; ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.

Umuntu ulungisiswa ngoJesu Kristu

21 Kepha manje kubonakalisiwe ukulunga okuvela kuNkulunkulu ngaphandle

komthetho, kufakazelwa ngumthetho nabaprofethi,

[22] justiça de Deus mediante a fé em Jesus Cristo, para todos [e sobre todos] os que crêem; porque não há distinção,

[22]ngisho ukulunga kukaNkulunkulu ngokukholwa nguJesu Kristu kubo bonke abakholwayo; ngokuba akukho mahluko;

[23] pois todos pecaram e carecem da glória de Deus,

[23] ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu;

[24] sendo justificados gratuitamente, por sua graça, mediante a redenção que há em Cristo Jesus,

[24] balungisisiwe ngesihle ngomusa wakhe ngokuhlengwa okukuKristu Jesu,

[25] a quem Deus propôs, no seu sangue, como propiciação, mediante a fé, para manifestar a sua justiça, por ter Deus, na sua tolerância, deixado impunes os pecados anteriormente cometidos;

[25] ammisileyo uNkulunkulu abe yinhlawulo ngokukholwa egazini lakhe, kubonakaliswe ukulunga kwakhe ngokuyekelwa kwezono ezenziwe ngaphambili

[26] tendo em vista a manifestação da sua justiça no tempo presente, para ele mesmo ser justo e o justificador daquele que tem fé em Jesus.

[26]ekubekezeleni kukaNkulunkulu, ukuba kubonakaliswe ukulunga kwakhe esikhathini samanje, ukuze yena abe ngolungileyo, abe ngumlungisisi walowo okholwa nguJesu.

[27] Onde, pois, a jactância? Foi de todo excluída. Por que lei? Das obras? Não; pelo contrário, pela lei da fé.

[27] Ngakho kuphi ukuzibonga na? Kuvalelwe phandle. Ngamthetho muni na? Ngowemisebenzi na? Qhabo, kodwa ngomthetho wokukholwa.

[28] Concluímos, pois, que o homem é justificado pela fé, independentemente das obras da lei.

[28] Ngakho-ke sithi umuntu ulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho.

[29] É, porventura, Deus somente dos judeus? Não o é também dos gentios? Sim, também dos gentios,

[29]Kumbe uNkulunkulu ungowabaJuda kuphela na? Kasiye nowabezizwe na? Yebo, nowabezizwe,

[30] visto que Deus é um só, o qual justificará, por fé, o circunciso e, mediante a fé, o incircunciso.

[30] uma impela uNkulunkulu emunye oyakulungisisa abasokileyo ngokukholwa nabangasokile ngokukholwa.

31 Anulamos, pois, a lei pela fé? Não, de maneira nenhuma! Antes, confirmamos a lei.

Romanos 4

Abraão justificado pela fé

1 Que, pois, diremos ter alcançado Abraão, nosso pai segundo a carne?

2 Porque, se Abraão foi justificado por obras, tem de que se gloriar, porém não diante de Deus.

3 Pois que diz a Escritura? Abraão creu em Deus, e isso lhe foi imputado para justiça.

4 Ora, ao que trabalha, o salário não é considerado como favor, e sim como dívida.

5 Mas, ao que não trabalha, porém crê naquele que justifica o ímpio, a sua fé lhe é atribuída como justiça.

6 E é assim também que Davi declara ser bem-aventurado o homem a quem Deus atribui justiça, independentemente de obras:

7 Bem-aventurados aqueles cujas iniqüidades são perdoadas, e cujos pecados são cobertos;

8 bem-aventurado o homem a quem o SENHOR jamais imputará pecado.

9 Vem, pois, esta bem-aventurança exclusivamente sobre os circuncisos ou também sobre os incircuncisos? Visto que

31 Ngakho-ke umthetho siwenza ize ngenxa yokukholwa na? Qha nakanye, kodwa siyawuqinisa umthetho.

KwabaseRoma 4

U-Abrahama walungisiswa ngokukholwa

1Ngakho-ke siyakuthi uzuzeni u-Abrahama, ukhokho wethu, ngokwenyama na?

2Ngokuba uma u-Abrahama walungisiswa ngemisebenzi, unakho ukuzibonga; kodwa phambi kukaNkulunkulu qha.

3 Ngokuba umbhalo uthini na? Uthi: Kepha u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwambalelwa ukuthi kungukulunga.

4 Kepha kosebenzayo umvuzo awubalelwa ngokomusa kodwa ngokwemfanelo;

5kepha kongasebenziyo, kodwa ekholwa nguye olungisisa ongamesabi uNkulunkulu, ukukholwa kwakhe kubalelwa yena ukuthi kungukulunga,

6njengalokhu noDavide esho ngokubusiswa komuntu uNkulunkulu ambalela ukulunga ngaphandle kwemisebenzi, ethi:

7 Babusisiwe abathethelelwe izeqo zabo, nabazono zabo zisitshekelwe;

8ubusisiwe umuntu iNkosi engayikumbalela isono. U-Abrahama wamukeliswa isithembiso ngokukholwa.

9Ngakho-ke lokhu kubusiswa kuqondene nabasokile noma nabangasokile na?

dizemos: a fé foi imputada a Abraão para justiça.

[10] Como, pois, lhe foi atribuída? Estando ele já circuncidado ou ainda incircunciso? Não no regime da circuncisão, e sim quando incircunciso.

[11] E recebeu o sinal da circuncisão como selo da justiça da fé que teve quando ainda incircunciso; para vir a ser o pai de todos os que crêem, embora não circuncidados, a fim de que lhes fosse imputada a justiça,

[12] e pai da circuncisão, isto é, daqueles que não são apenas circuncisos, mas também andam nas pisadas da fé que teve Abraão, nosso pai, antes de ser circuncidado.

[13] Não foi por intermédio da lei que a Abraão ou a sua descendência coube a promessa de ser herdeiro do mundo, e sim mediante a justiça da fé.

[14] Pois, se os da lei é que são os herdeiros, anula-se a fé e cancela-se a promessa,

[15] porque a lei suscita a ira; mas onde não há lei, também não há transgressão.

[16] Essa é a razão por que provém da fé, para que seja segundo a graça, a fim de que seja firme a promessa para toda a descendência, não somente ao que está no regime da lei, mas também ao que é da fé que teve Abraão (porque Abraão é pai de todos nós,

[17] como está escrito: Por pai de muitas nações te constituí.), perante aquele no

Ngokuba sithi: Ukukholwa kwabalelwa u-Abrahama ukuthi kungukulunga.

[10]Pho, kwabalelwa kanjani na? Esesokile yini noma engakasoki na? Akubanga esesokile, kodwa engakasoki.

[11] Wasamukela isibonakaliso sokusoka, sibe luphawu lokulunga kokukholwa ayenakho engakasoki, ukuba abe nguyise wabo bonke abakholwayo bengasokile, ukuze ukulunga kubalelwe kubona,

[12] futhi abe nguyise wabasokileyo, kungabi ngowabasokileyo kuphela, kepha nowabo abahamba emkhondweni wokukholwa ubaba u-Abrahama ayenakho engakasoki.

[13] Ngokuba isithembiso sokuthi uyakuba yindlalifa yezwe asinikwanga u-Abrahama nenzalo yakhe ngawo umthetho kodwa ngokulunga kokukholwa.

[14]Ngokuba uma izindlalifa ziyizo ngawo umthetho, ukukholwa kwenziwe ize, nesithembiso asiselutho;

[15]ngokuba umthetho ubanga intukuthelo, kepha lapho kungekho khona umthetho, akukho nakweqa.

[16] Ngalokho kuya ngokukholwa ukuba kube ngokomusa, ukuze isithembiso siqiniseke enzalweni yonke, kungabi kweyomthetho yodwa kodwa nakuleyo engeyokukholwa kuka-Abrahama ongubaba wethu sonke,

[17] njengokulotshiweyo ukuthi: Ngikumisile ube nguyise wezizwe eziningi

qual creu, o Deus que vivifica os mortos e chama à existência as coisas que não existem.

[18] Abraão, esperando contra a esperança, creu, para vir a ser pai de muitas nações, segundo lhe fora dito: Assim será a tua descendência.

[19] E, sem enfraquecer na fé, embora levasse em conta o seu próprio corpo amortecido, sendo já de cem anos, e a idade avançada de Sara,

[20] não duvidou, por incredulidade, da promessa de Deus; mas, pela fé, se fortaleceu, dando glória a Deus,

[21] estando plenamente convicto de que ele era poderoso para cumprir o que prometera.

[22] Pelo que isso lhe foi também imputado para justiça.

[23] E não somente por causa dele está escrito que lhe foi levado em conta,

[24] mas também por nossa causa, posto que a nós igualmente nos será imputado, a saber, a nós que cremos naquele que ressuscitou dentre os mortos a Jesus, nosso SENHOR,

[25] o qual foi entregue por causa das nossas transgressões e ressuscitou por causa da nossa justificação.

Romanos 5

A justificação pela fé e paz com Deus

[1] Justificados, pois, mediante a fé, temos paz com Deus por meio de nosso SENHOR Jesus Cristo;

phambi kwalowo Nkulunkulu akholwa nguye, yena ophilisa abafileyo nobiza okungekho ngokungathi kukhona,

[18] owathi kungekho themba wakholwa ngethemba, ukuze abe nguyise wezizwe eziningi, njengalokho okwashiwo ukuthi: Yoba njalo inzalo yakho;

[19]engabanga buthakathaka ekukholweni wabona umzimba wakhe obusufa, eneminyaka engaba ngeyikhulu, nesizalo sikaSara sifile;

[20]akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina ekukholweni, enika uNkulunkulu udumo,

[21] eqinisekile ukuthi lokho akwethembisile unamandla nokukwenza.

[22]Ngalokho-ke kwabalelwa yena ukuthi kungukulunga.

[23] Kepha akulotshwanga ngenxa yakhe yedwa ukuthi kwabalelwa yena,

[24] kodwa nangenxa yethu esiyakubalelwa khona, thina esikholwa nguye owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafileyo,

[25] owanikelwa ngenxa yeziphambeko zethu, wavuswa ngenxa yokulungisiswa kwethu.

KwabaseRoma 5

Izithelo zokulunga

[1] Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu,

[2] por intermédio de quem obtivemos igualmente acesso, pela fé, a esta graça na qual estamos firmes; e gloriamo-nos na esperança da glória de Deus.

[3] E não somente isto, mas também nos gloriamos nas próprias tribulações, sabendo que a tribulação produz perseverança;

[4] e a perseverança, experiência; e a experiência, esperança.

[5] Ora, a esperança não confunde, porque o amor de Deus é derramado em nosso coração pelo Espírito Santo, que nos foi outorgado.

[6] Porque Cristo, quando nós ainda éramos fracos, morreu a seu tempo pelos ímpios.

[7] Dificilmente, alguém morreria por um justo; pois poderá ser que pelo bom alguém se anime a morrer.

[8] Mas Deus prova o seu próprio amor para conosco pelo fato de ter Cristo morrido por nós, sendo nós ainda pecadores.

[9] Logo, muito mais agora, sendo justificados pelo seu sangue, seremos por ele salvos da ira.

[10] Porque, se nós, quando inimigos, fomos reconciliados com Deus mediante a morte do seu Filho, muito mais, estando já reconciliados, seremos salvos pela sua vida;

[11] e não apenas isto, mas também nos gloriamos em Deus por nosso SENHOR

[2] okungaye sinokungena ngokukholwa kulo musa esimi kuwo, siyazibonga ekwethembeni inkazimulo kaNkulunkulu.

[3] Kepha akusikho lokho kuphela, kodwa sizibonga nangezinhlupheko ngokwazi ukuthi ukuhlupheka kuveza ukukhuthazela,

[4] ukukhuthazela kuveza ukuqiniseka, ukuqiniseka kuveza ithemba;

[5] ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimuphiweyo.

[6]Ngokuba sisebuthakathaka, uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu ngesikhathi esifaneleyo;

[7]ngokuba cishe kungenzeki ukuba umuntu afele olungileyo, kodwa mhlawumbe kungase kube khona ongaba nesibindi sokufela omuhle;

[8]kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.

[9] Ngakho kakhulu sesilungisisiwe ngegazi lakhe, siyakusindiswa ngaye olakeni.

[10] Ngokuba uma sathola ukubuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNdodana yakhe sise yizitha, ikakhulu siyakusindiswa ngokuphila kwayo sesitholile ukubuyisana;

[11] kepha akusikho lokho kuphela, kodwa sizibonga futhi ngoNkulunkulu ngeNkosi

Jesus Cristo, por intermédio de quem recebemos, agora, a reconciliação.

Adão e Cristo

[12] Portanto, assim como por um só homem entrou o pecado no mundo, e pelo pecado, a morte, assim também a morte passou a todos os homens, porque todos pecaram.

[13] Porque até ao regime da lei havia pecado no mundo, mas o pecado não é levado em conta quando não há lei.

[14] Entretanto, reinou a morte desde Adão até Moisés, mesmo sobre aqueles que não pecaram à semelhança da transgressão de Adão, o qual prefigurava aquele que havia de vir.

[15] Todavia, não é assim o dom gratuito como a ofensa; porque, se, pela ofensa de um só, morreram muitos, muito mais a graça de Deus e o dom pela graça de um só homem, Jesus Cristo, foram abundantes sobre muitos.

[16] O dom, entretanto, não é como no caso em que somente um pecou; porque o julgamento derivou de uma só ofensa, para a condenação; mas a graça transcorre de muitas ofensas, para a justificação.

[17] Se, pela ofensa de um e por meio de um só, reinou a morte, muito mais os que recebem a abundância da graça e o dom da justiça reinarão em vida por meio de um só, a saber, Jesus Cristo.

[18] Pois assim como, por uma só ofensa, veio o juízo sobre todos os homens para

yethu uJesu Kristu, esesamukelisiwe ngaye ukubuyisana.

Isono nokufa kwafika ngo-Adamu

[12] Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile;

[13] ngokuba isono sasikhona ezweni kungakabikho umthetho, kepha isono asibalelwa ungekho umthetho;

[14]nokho ukufa kwabusa kusukela ku-Adamu kwaze kwaba kuMose, naphezu kwabangonanga ngendlela yeseqo sika-Adamu oyisifanekiso sakhe obeyakuza.

Ukulunga nokuphila kwafika ngoJesu

[15] Kepha isipho somusa asinjengesiphambeko; ngokuba uma ngesiphambeko samuntu munye abaningi bafa, ikakhulu kwavama kwabaningi umusa nesipho sikaNkulunkulu ngomusa wamuntu munye, uJesu Kristu.

[16]Isipho asinjengokona kwalowo emunye, ngokuba uma ukwahlulela kwaba ngoyedwa kube ngukulahlwa, isipho somusa sona-ke saba ngeziphambeko eziningi kube ngukulungisiswa.

[17]Ngokuba uma ngesiphambeko samuntu munye ukufa kwabusa ngalowo emunye, ikakhulu abamukela ukuvama komusa nokuvama kwesipho sokulunga bayakubusa ekuphileni ngalowo emunye, uJesu Kristu.

[18] Ngalokho-ke njengokuba ngasiphambeko sinye kwaba khona

condenação, assim também, por um só ato de justiça, veio a graça sobre todos os homens para a justificação que dá vida.

ukulahlwa kubantu bonke, kanjalo ngasenzo sinye sokulunga kwaba khona ukulungisiswa kukho ukuphila kubantu bonke;

[19] Porque, como, pela desobediência de um só homem, muitos se tornaram pecadores, assim também, por meio da obediência de um só, muitos se tornarão justos.

[19] ngokuba njengalokho ngokungalaleli kwamuntu munye abaningi benziwa izoni, kanjalo ngokulalela kwamuntu munye abaningi bayakwenziwa abalungileyo.

[20] Sobreveio a lei para que avultasse a ofensa; mas onde abundou o pecado, superabundou a graça,

[20] Kepha umthetho wangena ukuba isiphambeko sande; kodwa lapho kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi,

[21] a fim de que, como o pecado reinou pela morte, assim também reinasse a graça pela justiça para a vida eterna, mediante Jesus Cristo, nosso SENHOR.

[21]ukuze njengalokho isono sabusa ngokufa, nomusa ubuse kanjalo ngokulunga, kube ngukuphila okuphakade ngoJesu Kristu iNkosi yethu.

Romanos 6

Livres do pecado pela graça

[1] Que diremos, pois? Permaneceremos no pecado, para que seja a graça mais abundante?

[2] De modo nenhum! Como viveremos ainda no pecado, nós os que para ele morremos?

[3] Ou, porventura, ignorais que todos nós que fomos batizados em Cristo Jesus fomos batizados na sua morte?

[4] Fomos, pois, sepultados com ele na morte pelo batismo; para que, como Cristo foi ressuscitado dentre os mortos pela glória do Pai, assim também andemos nós em novidade de vida.

KwabaseRoma 6

UNkulunkulu akasenzeli umusa ukuba sihlale esonweni, kodwa ukuba sinqobe isono, simkhonze ekulungeni

[1]Ngakho siyakuthini na? Sihlale esonweni, ukuze kuvame umusa na?

[2] Qha nakanye. Thina esafa maqondana nesono singabuye sihambe kanjani kuso na?

[3] Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhapathizelwa kuKristu Jesu, sabhapathizelwa kukho ukufa kwakhe na?

[4] Ngakho sembelwa naye ngokubhapathizelwa kukho ukufa ukuba njengalokho uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.

[5] Porque, se fomos unidos com ele na semelhança da sua morte, certamente, o seremos também na semelhança da sua ressurreição,

[6] sabendo isto: que foi crucificado com ele o nosso velho homem, para que o corpo do pecado seja destruído, e não sirvamos o pecado como escravos;

[7] porquanto quem morreu está justificado do pecado.

[8] Ora, se já morremos com Cristo, cremos que também com ele viveremos,

[9] sabedores de que, havendo Cristo ressuscitado dentre os mortos, já não morre; a morte já não tem domínio sobre ele.

[10] Pois, quanto a ter morrido, de uma vez para sempre morreu para o pecado; mas, quanto a viver, vive para Deus.

[11] Assim também vós considerai-vos mortos para o pecado, mas vivos para Deus, em Cristo Jesus.

[12] Não reine, portanto, o pecado em vosso corpo mortal, de maneira que obedeçais às suas paixões;

[13] nem ofereçais cada um os membros do seu corpo ao pecado, como instrumentos de iniqüidade; mas oferecei-vos a Deus, como ressurretos dentre os mortos, e os vossos membros, a Deus, como instrumentos de justiça.

[14] Porque o pecado não terá domínio sobre vós; pois não estais debaixo da lei, e sim da graça.

A lei, a escravidão e a graça

[5] Ngokuba uma sihlanganisiwe kanye naye ngokufa okufananayo, siyakuba njalo nangokuvuka,

[6] sazi lokhu ukuthi umuntu wethu omdala wabethelwa kanye naye esiphambanweni, ukuze umzimba wesono wenziwe ize, singabe sisakhonza isono,

[7]ngokuba ofileyo ukhululiwe esonweni.

[8] Kepha uma safa kanye noKristu, siyakholwa ukuthi siyakuphila futhi kanye naye,

[9] sazi ukuthi uKristu esevusiwe kwabafileyo akasafi, ukufa akusabusi phezu kwakhe.

[10] Ngokuba ukufa, afa ngakho, wakufa kanye nje ngenxa yesono; kepha ukuphila akuphilayo ukuphilela uNkulunkulu.

[11] Kanjalo nani manizisho ukuthi ningabafileyo maqondana nesono, kodwa niphilele uNkulunkulu kuKristu Jesu.

[12]Ngakho makungabusi isono emzimbeni wenu ofayo, nize nilalele izinkanuko zawo;

[13] futhi ninganikeli izitho zenu esonweni, zibe yizikhali zokungalungi, kodwa zinikeleni nina kuNkulunkulu njengabaphilayo bevukile kwabafileyo nezitho zenu kuNkulunkulu, zibe yizikhali zokulunga,

[14] ngokuba isono asiyikubusa phezu kwenu; ngokuba aniphansi komthetho, kepha niphansi komusa.

[15] E daí? Havemos de pecar porque não estamos debaixo da lei, e sim da graça? De modo nenhum!

[16] Não sabeis que daquele a quem vos ofereceis como servos para obediência, desse mesmo a quem obedeceis sois servos, seja do pecado para a morte ou da obediência para a justiça?

[17] Mas graças a Deus porque, outrora, escravos do pecado, contudo, viestes a obedecer de coração à forma de doutrina a que fostes entregues;

[18] e, uma vez libertados do pecado, fostes feitos servos da justiça.

[19] Falo como homem, por causa da fraqueza da vossa carne. Assim como oferecestes os vossos membros para a escravidão da impureza e da maldade para a maldade, assim oferecei, agora, os vossos membros para servirem à justiça para a santificação.

[20] Porque, quando éreis escravos do pecado, estáveis isentos em relação à justiça.

[21] Naquele tempo, que resultados colhestes? Somente as coisas de que, agora, vos envergonhais; porque o fim delas é morte.

[22] Agora, porém, libertados do pecado, transformados em servos de Deus, tendes o vosso fruto para a santificação e, por fim, a vida eterna;

[23] porque o salário do pecado é a morte, mas o dom gratuito de Deus é a vida eterna em Cristo Jesus, nosso SENHOR.

[15]Kunjani, pho, na? Siyakona ngokuba singephansi komthetho kodwa phansi komusa na? Qha nakanye.

[16] Anazi yini ukuthi lowo enizinikela kuye ukuba nibe yizinceku zokumlalela, niyizinceku zakhe enimlalelayo, noma ezesono kube ngukufa noma ezokulalela kube ngukulunga, na?

[17]Kepha makabongwe uNkulunkulu ukuthi nina enaniyizinceku zesono senilalela ngenhliziyo indlela yesifundiso enanikelwa kuyo

[18] nokuthi, senikhululiwe esonweni, naba yizinceku zokulunga.

[19]Ngikhulumisa okomuntu ngenxa yobuthakathaka benyama yenu. Ngokuba njengalokho nanikela izitho zenu zibe yizinceku zamanyala nezokungalungi kwaba ngukungalungi, kanjalo nikelani manje izitho zenu zibe yizinceku zokulunga kube ngukungcweliswa.

[20]Ngokuba lapho nise yizinceku zesono, nanikhululekile maqondana nokulunga.

[21] Ngaleso sikhathi naninezithelo zini na? Eseninezinhloni ngakho manje; ngokuba ukugcina kwalokho kungukufa.

[22] Kepha manje, senikhululiwe esonweni naba ngabakhonza uNkulunkulu, ninazo izithelo zenu kube ngukungcweliswa nasekugcineni ukuphila okuphakade.

[23] Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu

singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.

Romanos 7

A analogia do casamento

1 Porventura, ignorais, irmãos (pois falo aos que conhecem a lei), que a lei tem domínio sobre o homem toda a sua vida?

2 Ora, a mulher casada está ligada pela lei ao marido, enquanto ele vive; mas, se o mesmo morrer, desobrigada ficará da lei conjugal.

3 De sorte que será considerada adúltera se, vivendo ainda o marido, unir-se com outro homem; porém, se morrer o marido, estará livre da lei e não será adúltera se contrair novas núpcias.

4 Assim, meus irmãos, também vós morrestes relativamente à lei, por meio do corpo de Cristo, para pertencerdes a outro, a saber, aquele que ressuscitou dentre os mortos, a fim de que frutifiquemos para Deus.

5 Porque, quando vivíamos segundo a carne, as paixões pecaminosas postas em realce pela lei operavam em nossos membros, a fim de frutificarem para a morte.

6 Agora, porém, libertados da lei, estamos mortos para aquilo a que estávamos sujeitos, de modo que servimos em novidade de espírito e não na caducidade da letra.

A lei e o pecado

KwabaseRoma 7

Ukukhululeka emthethweni

1 Kanti anazi yini, bazalwane, ngokuba ngikhuluma kwabawazi umthetho, ukuthi umthetho uyabusa phezu komuntu ngesikhathi sonke esekhona na?

2 Ngokuba owesifazane oganileyo uboshelwe ngomthetho endodeni isekhona; kepha nxa indoda isifile, ukhululiwe emthethweni wendoda.

3 Ngalokho-ke lapho indoda isekhona, uyakuthiwa isiphingi, uma eba ngowenye indoda; kepha nxa indoda isifile, ukhululekile emthethweni, angebe yisiphingi, uma eba ngowenye indoda.

4 Kanjalo nani bazalwane bami, nani naba ngabafileyo maqondana nomthetho ngomzimba kaKristu ukuba nibe ngabomunye, lowo owavuswa kwabafileyo, ukuze sithelele uNkulunkulu izithelo.

5 Ngokuba kwathi sisenyameni, ukuhuheka kwezono okwavela ngomthetho kwasebenza ezithweni zethu ukuthelela ukufa izithelo;

6 kepha kalokhu sikhululiwe emthethweni, sifile maqondana nalokho esasibanjwa yikho ukuba sikhonze emoyeni omusha, kungesegameni elidala.

Umthetho nesono

[7] Que diremos, pois? É a lei pecado? De modo nenhum! Mas eu não teria conhecido o pecado, senão por intermédio da lei; pois não teria eu conhecido a cobiça, se a lei não dissera: Não cobiçarás.

[8] Mas o pecado, tomando ocasião pelo mandamento, despertou em mim toda sorte de concupiscência; porque, sem lei, está morto o pecado.

[9] Outrora, sem a lei, eu vivia; mas, sobrevindo o preceito, reviveu o pecado, e eu morri.

[10] E o mandamento que me fora para vida, verifiquei que este mesmo se me tornou para morte.

[11] Porque o pecado, prevalecendo-se do mandamento, pelo mesmo mandamento, me enganou e me matou.

[12] Por conseguinte, a lei é santa; e o mandamento, santo, e justo, e bom.

[13] Acaso o bom se me tornou em morte? De modo nenhum! Pelo contrário, o pecado, para revelar-se como pecado, por meio de uma coisa boa, causou-me a morte, a fim de que, pelo mandamento, se mostrasse sobremaneira maligno.

[14] Porque bem sabemos que a lei é espiritual; eu, todavia, sou carnal, vendido à escravidão do pecado.

[15] Porque nem mesmo compreendo o meu próprio modo de agir, pois não faço o que prefiro, e sim o que detesto.

[7] Ngakho siyakuthini na? Umthetho uyisono na? Qha nakanye; kepha bengingasazanga isono, uma bekungengomthetho; ngokuba ukufisa bengingakwazanga, uma umthetho ubungashongo ukuthi: Ungafisi;

[8]kepha isono sathola ithuba ngomyalo, sasebenza kimi ukufisa konke; ngokuba ngaphandle komthetho isono sifile.

[9]Mina-ke ngake ngahamba ngaphandle komthetho; kepha kwathi ukuba kufike umyalo, savuka isono,

[10] ngafa mina; umyalo obungowokuphila wona wafunyanwa ungowokufa kimi,

[11]ngokuba isono, sithola ithuba ngomyalo, sangikhohlisa, sangibulala ngawo.

[12] Ngakho-ke umthetho ungcwele, nomyalo ungcwele, ulungile, muhle.

[13]Pho, okuhle kwaba ngukufa kimi na? Qha nakanye; kepha isono, ukuba sibonakale ukuthi siyisono, sangibangela ukufa ngakho okuhle, ukuze isono ngawo umyalo sibe ngesonayo kakhulu.

Ubugqila bomuntu phansi komthetho

[14] Ngokuba siyazi ukuthi umthetho ungowomoya; kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono.

[15] Ngokuba engikwenzayo angikuqondi; ngokuba engikwenzayo akusikho lokho engikuthandayo; kodwa lokho engikuzondayo, yikho engikwenzayo.

[16] Ora, se faço o que não quero, consinto com a lei, que é boa.

[17] Neste caso, quem faz isto já não sou eu, mas o pecado que habita em mim.

[18] Porque eu sei que em mim, isto é, na minha carne, não habita bem nenhum, pois o querer o bem está em mim; não, porém, o efetuá-lo.

[19] Porque não faço o bem que prefiro, mas o mal que não quero, esse faço.

[20] Mas, se eu faço o que não quero, já não sou eu quem o faz, e sim o pecado que habita em mim.

[21] Então, ao querer fazer o bem, encontro a lei de que o mal reside em mim.

[22] Porque, no tocante ao homem interior, tenho prazer na lei de Deus;

[23] mas vejo, nos meus membros, outra lei que, guerreando contra a lei da minha mente, me faz prisioneiro da lei do pecado que está nos meus membros.

[24] Desventurado homem que sou! Quem me livrará do corpo desta morte?

[25] Graças a Deus por Jesus Cristo, nosso SENHOR. De maneira que eu, de mim mesmo, com a mente, sou escravo da lei de Deus, mas, segundo a carne, da lei do pecado.

Romanos 8

[16]Kepha uma ngenza lokho engingakuthandiyo, ngiyawuvumela umthetho ukuthi muhle.

[17]Kodwa kalokhu akuseyimi engikwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi.

[18] Ngokuba ngiyazi ukuthi kimi, kungukuthi enyameni yami, akuhlali okuhle; ngokuba intando ikhona kimi, kodwa ukwenza okuhle akukho,

[19]ngokuba okuhle engikuthandayo angikwenzi, kodwa okubi engingakuthandiyo lokho ngiyakwenza.

[20]Uma-ke ngenza lokho engingakuthandiyo akuseyimi engenza lokho, kodwa yisono esihlala kimi.

[21]Ngalokho ngifumana kimina engithanda ukwenza okuhle umthetho wokuthi kukhona okubi kimi,

[22]ngokuba ngiwenamela umthetho kaNkulunkulu ngokomuntu ongaphakathi,

[23] kepha ngibona omunye umthetho ezithweni zami olwayo nomthetho wengqondo yami, ungithumbela emthethweni wesono osezithweni zami.

[24]Wo! mina muntu wosizi, ngubani oyakungikhulula kulo mzimba wokufa na?

[25]Makabongwe uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Ngalokho-ke mina ngokwami ngikhonza umthetho kaNkulunkulu ngengqondo kepha umthetho wesono ngenyama.

KwabaseRoma 8

Nenhuma condenação. O pendor do Espírito

[1] Agora, pois, já nenhuma condenação há para os que estão em Cristo Jesus.

[2] Porque a lei do Espírito da vida, em Cristo Jesus, te livrou da lei do pecado e da morte.

[3] Porquanto o que fora impossível à lei, no que estava enferma pela carne, isso fez Deus enviando o seu próprio Filho em semelhança de carne pecaminosa e no tocante ao pecado; e, com efeito, condenou Deus, na carne, o pecado,

[4] a fim de que o preceito da lei se cumprisse em nós, que não andamos segundo a carne, mas segundo o Espírito.

[5] Porque os que se inclinam para a carne cogitam das coisas da carne; mas os que se inclinam para o Espírito, das coisas do Espírito.

[6] Porque o pendor da carne dá para a morte, mas o do Espírito, para a vida e paz.

[7] Por isso, o pendor da carne é inimizade contra Deus, pois não está sujeito à lei de Deus, nem mesmo pode estar.

[8] Portanto, os que estão na carne não podem agradar a Deus.

[9] Vós, porém, não estais na carne, mas no Espírito, se, de fato, o Espírito de Deus habita em vós. E, se alguém não tem o Espírito de Cristo, esse tal não é dele.

[10] Se, porém, Cristo está em vós, o corpo, na verdade, está morto por causa do

Okholwayo usindiswa ekulahlweni, ahambe ngokukaMoya

[1] Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu.

[2] Ngokuba umthetho kaMoya wokuphila okuKristu Jesu ungikhululile emthethweni wesono nowokufa.

[3] Ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxa yenyama, wakwenza uNkulunkulu ngokuthuma iNdodana yakhe ifana nenyama yesono, nangenxa yesono walahla isono enyameni,

[4] ukuze umyalo womthetho ugcwaliseke kithina esingahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya.

[5] Ngokuba abokwenyama banaka okwenyama, kepha abakaMoya banaka okukaMoya.

[6] Ngokuba ukunaka kwenyama kungukufa, kepha ukunaka kukaMoya kungukuphila nokuthula.

[7] Ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu; ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi kungekwenze;

[8]abasenyameni abanakumthokozisa uNkulunkulu.

[9] Kepha nina anisenyameni, kodwa nikuye uMoya, uma uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Kepha uma umuntu engenaye uMoya kaKristu, lowo kasiye owakhe.

[10] Uma uKristu ekini, umzimba ufile ngenxa yesono, kepha umoya ungukuphila ngenxa yokulunga.

pecado, mas o espírito é vida, por causa da justiça.

[11] Se habita em vós o Espírito daquele que ressuscitou a Jesus dentre os mortos, esse mesmo que ressuscitou a Cristo Jesus dentre os mortos vivificará também o vosso corpo mortal, por meio do seu Espírito, que em vós habita.

[11]Uma-ke uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKristu Jesu kwabafileyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.

Filhos e herdeiros

[12] Assim, pois, irmãos, somos devedores, não à carne como se constrangidos a viver segundo a carne.

[12]Ngalokho-ke, bazalwane, asinacala kuyo inyama lokuba sihambe ngokwenyama.

[13] Porque, se viverdes segundo a carne, caminhais para a morte; mas, se, pelo Espírito, mortificardes os feitos do corpo, certamente, vivereis.

[13]Ngokuba uma nihamba ngokwenyama, nizakufa; kepha uma nibulala imisebenzi yomzimba ngoMoya, nizakuphila.

[14] Pois todos os que são guiados pelo Espírito de Deus são filhos de Deus.

[14]Ngokuba bonke abaholwa nguMoya kaNkulunkulu, labo bangabantwana bakaNkulunkulu.

[15] Porque não recebestes o espírito de escravidão, para viverdes, outra vez, atemorizados, mas recebestes o espírito de adoção, baseados no qual clamamos: Aba, Pai.

[15] Ngokuba anamukeliswanga umoya wobugqila ukuba nibuye nesabe, kepha namukeliswa umoya wobuntwana esimemeza ngaye sithi: Aba, Baba!

[16] O próprio Espírito testifica com o nosso espírito que somos filhos de Deus.

[16] Yena lowo Moya ufakaza kanye nomoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu.

[17] Ora, se somos filhos, somos também herdeiros, herdeiros de Deus e co-herdeiros com Cristo; se com ele sofremos, também com ele seremos glorificados.

[17] Uma-ke singabantwana, siyizindlalifa futhi, izindlalifa zikaNkulunkulu, izindlalifa kanye noKristu, uma phela sihlupheka kanye naye, ukuze siphiwe inkazimulo futhi kanye naye.

Os sofrimentos do presente e as glórias do porvir

Abantwana bakaNkulunkulu bayakungena ebukhosini emva kwezinhlupheko

[18] Porque para mim tenho por certo que os sofrimentos do tempo presente não podem

[18] Ngokuba ngithi izinhlupheko zesikhathi samanje azinakulinganiswa nenkazimulo eyakwambulwa kithina.

ser comparados com a glória a ser revelada em nós.

19 A ardente expectativa da criação aguarda a revelação dos filhos de Deus.

19Ngokuba ukulangazela kokudaliweyo kulindele ukwambulwa kwabantwana bakaNkulunkulu.

20 Pois a criação está sujeita à vaidade, não voluntariamente, mas por causa daquele que a sujeitou,

20 Ngokuba okudaliweyo kwabekwa phansi kobuze, kungengentando yakho kodwa ngaye owakubekayo,

21 na esperança de que a própria criação será redimida do cativeiro da corrupção, para a liberdade da glória dos filhos de Deus.

21 ethembeni lokuthi nakho okudaliweyo kuyakukhululwa ebugqileni bokubhubha, kube ngukukhululeka kwenkazimulo yabantwana bakaNkulunkulu.

22 Porque sabemos que toda a criação, a um só tempo, geme e suporta angústias até agora.

22Ngokuba siyazi ukuthi konke okudaliweyo kuyabubula kanyekanye kunezinseka kuze kube manje;

23 E não somente ela, mas também nós, que temos as primícias do Espírito, igualmente gememos em nosso íntimo, aguardando a adoção de filhos, a redenção do nosso corpo.

23 akusikho lokho kuphela, kepha nathi uqobo lwethu esinolibo lukaMoya siyabubula phakathi kwethu, silindele isimo sobuntwana, ukukhululwa komzimba wethu.

24 Porque, na esperança, fomos salvos. Ora, esperança que se vê não é esperança; pois o que alguém vê, como o espera?

24 Ngokuba ethembeni sisindisiwe; kepha ithemba elibonwayo alisilo ithemba; ngokuba lokhu umuntu akubonayo usakwethembelani na?

25 Mas, se esperamos o que não vemos, com paciência o aguardamos.

25Kodwa uma sithemba lokho esingakuboniyo, siyakulindela ngokubekezela.

A intercessão do Espírito

26 Também o Espírito, semelhantemente, nos assiste em nossa fraqueza; porque não sabemos orar como convém, mas o mesmo Espírito intercede por nós sobremaneira, com gemidos inexprimíveis.

26Ngokunjalo noMoya uyasisiza ebuthakathakeni bethu; ngokuba asikwazi esingakucela ngokufaneleyo, kodwa uMoya uqobo usikhulumela ngokububula okungenakuphinyiselwa;

27 E aquele que sonda os corações sabe qual é a mente do Espírito, porque

27 kepha yena ohlola izinhliziyo uyakwazi okuqondwa nguMoya, ngokuba

segundo a vontade de Deus é que ele intercede pelos santos.

[28] Sabemos que todas as coisas cooperam para o bem daqueles que amam a Deus, daqueles que são chamados segundo o seu propósito.

[29] Porquanto aos que de antemão conheceu, também os predestinou para serem conformes à imagem de seu Filho, a fim de que ele seja o primogênito entre muitos irmãos.

[30] E aos que predestinou, a esses também chamou; e aos que chamou, a esses também justificou; e aos que justificou, a esses também glorificou.

As provas e a certeza do amor de Deus

[31] Que diremos, pois, à vista destas coisas? Se Deus é por nós, quem será contra nós?

[32] Aquele que não poupou o seu próprio Filho, antes, por todos nós o entregou, porventura, não nos dará graciosamente com ele todas as coisas?

[33] Quem intentará acusação contra os eleitos de Deus? É Deus quem os justifica.

[34] Quem os condenará? É Cristo Jesus quem morreu ou, antes, quem ressuscitou, o qual está à direita de Deus e também intercede por nós.

[35] Quem nos separará do amor de Cristo? Será tribulação, ou angústia, ou perseguição, ou fome, ou nudez, ou perigo, ou espada?

ukhulumela abangcwele ngokwentando kaNkulunkulu.

[28] Siyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu konke kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo ababiziweyo ngecebo lakhe.

[29] Ngokuba labo ayebazi ngaphambili wabamisa ngaphambili, bafane nesimo seNdodana yakhe, ukuze yona ibe yizibulo phakathi kwabazalwane abaningi;

[30]labo abamisile ngaphambili ubabizile futhi; labo ababizile ubalungisisile futhi; labo abalungisisileyo ubaphile nenkazimulo futhi.

Umuntu unqoba ngaye uJesu

[31] Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na?

[32] Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo na?

[33] Ngubani ozakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo;

[34]ngubani olahlayo na? UKristu Jesu owafayo, yebo impela, owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguyena osinxuselayo.

[35]Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Noma ukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhamba ze, noma ingozi, noma inkemba, na?

[36] Como está escrito: Por amor de ti, somos entregues à morte o dia todo, fomos considerados como ovelhas para o matadouro.
[37] Em todas estas coisas, porém, somos mais que vencedores, por meio daquele que nos amou.
[38] Porque eu estou bem certo de que nem a morte, nem a vida, nem os anjos, nem os principados, nem as coisas do presente, nem do porvir, nem os poderes,
[39] nem a altura, nem a profundidade, nem qualquer outra criatura poderá separar-nos do amor de Deus, que está em Cristo Jesus, nosso SENHOR.

[36] Kulotshiwe ukuthi: Ngenxa yakho sibulawa usuku lonke, sithiwa izimvu zokuhlatshwa.

[37] Kepha kukho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo.

[38] Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla,
[39] nakuphakama, nakujula, nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu iNkosi yethu.

Romanos 9

Paulo e a incredulidade dos judeus

[1] Digo a verdade em Cristo, não minto, testemunhando comigo, no Espírito Santo, a minha própria consciência:

[2] tenho grande tristeza e incessante dor no coração;

[3] porque eu mesmo desejaria ser anátema, separado de Cristo, por amor de meus irmãos, meus compatriotas, segundo a carne.

[4] São israelitas. Pertence-lhes a adoção e também a glória, as alianças, a legislação, o culto e as promessas;

[5] deles são os patriarcas, e também deles descende o Cristo, segundo a carne, o qual

KwabaseRoma 9

Ukungakholwa kwabakwa-Israyeli kuyadabukisa

[1]Ngikhuluma iqiniso ngikuKristu, angiqambi amanga, unembeza wami ufakazelana nami eMoyeni oNgcwele
[2] ukuthi nginokudabuka okukhulu nobuhlungu obungapheliyo enhliziyweni yami.
[3] Ngokuba ngingafisa ukuba mina uqobo ngibe ngoqalekisiweyo kuKristu ngenxa yabazalwane bami abangabakithi ngokwenyama;
[4] bona bangabakwa-Israyeli, okungesabo isimo sobuntwana nenkazimulo, nezivumelwano, nokumiswa komthetho, nenkonzo, nezithembiso,
[5] abangababo okhokho avela kubo uKristu ngokwenyama, yena onguNkulunkulu

é sobre todos, Deus bendito para todo o sempre. Amém!

A rejeição de Israel não é incompatível com as promessas de Deus

6 E não pensemos que a palavra de Deus haja falhado, porque nem todos os de Israel são, de fato, israelitas;

7 nem por serem descendentes de Abraão são todos seus filhos; mas: Em Isaque será chamada a tua descendência.

8 Isto é, estes filhos de Deus não são propriamente os da carne, mas devem ser considerados como descendência os filhos da promessa.

9 Porque a palavra da promessa é esta: Por esse tempo, virei, e Sara terá um filho.

10 E não ela somente, mas também Rebeca, ao conceber de um só, Isaque, nosso pai.

11 E ainda não eram os gêmeos nascidos, nem tinham praticado o bem ou o mal (para que o propósito de Deus, quanto à eleição, prevalecesse, não por obras, mas por aquele que chama),

12 já fora dito a ela: O mais velho será servo do mais moço.

13 Como está escrito: Amei Jacó, porém me aborreci de Esaú.

A rejeição de Israel não é incompatível com a justiça de Deus

14 Que diremos, pois? Há injustiça da parte de Deus? De modo nenhum!

ophezu kwakho konke, obongekayo kuze kube phakade. Amen.

Abakwa-Israyeli bakhethwa nguNkulunkulu

6 Akusikho okungathi izwi likaNkulunkulu liphuthile. Ngokuba asibo bonke abavela ku-Israyeli abangabakwa-Israyeli;

7 nakuba beyinzalo ka-Abrahama, bonke abasibo abantwana, kodwa kuthiwa: Ngo-Isaka iyakubizwa inzalo yakho.

8 Lokhu kungukuthi akusibo abantwana benyama abangabantwana bakaNkulunkulu labo, kodwa abantwana besithembiso bathiwa inzalo.

9 Ngokuba lingelesithembiso leli zwi lokuthi: Ngalesi sikhathi ngizakufika; khona uSara uzakuba nendodana.

10 Akuyilokhu kuphela, kodwa kwaba njalo nakuRebeka ekhulelisiwe ngoyedwa, u-Isaka, ukhokho wethu;

11ngokuba bengakazalwa, bengakenzi okuhle nokubi, ukuze icebo likaNkulunkulu eliya ngokukhetha lime,

12kungabi ngemisebenzi, kodwa kube ngaye obizayo, kwashiwo kuye ukuthi: Omkhulu uyakukhonza omncane,

13 njengalokho kulotshiwe ukuthi: UJakobe ngamthanda, kepha u-Esawu ngamzonda.

14 Ngakho siyakuthini na? Kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu na? Qha nakanye.

[15] Pois ele diz a Moisés: Terei misericórdia de quem me aprouver ter misericórdia e compadecer-me-ei de quem me aprouver ter compaixão.

[16] Assim, pois, não depende de quem quer ou de quem corre, mas de usar Deus a sua misericórdia.

[17] Porque a Escritura diz a Faraó: Para isto mesmo te levantei, para mostrar em ti o meu poder e para que o meu nome seja anunciado por toda a terra.

[18] Logo, tem ele misericórdia de quem quer e também endurece a quem lhe apraz.

A soberania de Deus

[19] Tu, porém, me dirás: De que se queixa ele ainda? Pois quem jamais resistiu à sua vontade?

[20] Quem és tu, ó homem, para discutires com Deus?! Porventura, pode o objeto perguntar a quem o fez: Por que me fizeste assim?

[21] Ou não tem o oleiro direito sobre a massa, para do mesmo barro fazer um vaso para honra e outro, para desonra?

[22] Que diremos, pois, se Deus, querendo mostrar a sua ira e dar a conhecer o seu poder, suportou com muita longanimidade os vasos de ira, preparados para a perdição,

[15] Ngokuba kuMose uthi: Ngizakumhawukela engimhawukelayo, ngimzwele engimzwelayo.

[16] Ngakho-ke akuyi ngentando nangokuzikhathaza komuntu, kodwa kuya ngokuhawukela kukaNkulunkulu.

[17] Ngokuba umbhalo uthi kuFaro: Ngakuphakhamisela khona lokhu ukuba ngibonakalise amandla ami kuwe nokuba igama lami lishunyayelwe emhlabeni wonke.

[18]Ngakho uhawukela lowo athanda ukumhawukela, umenza lukhuni lowo athanda ukumenza lukhuni.

[19]Usuzakuthi kimi: Usasolelani yena na? Ngokuba ngubani ongamelana nentando yakhe na?

[20] O, wena muntu! Ungubani-ke wena ophikisana noNkulunkulu na? Okubunjiweyo kungasho yini kowakubumbayo ukuthi: Wangenzelani ngaba njena na?

[21]Nokuba akanamandla yini umbumbi ebumbeni ukwenza ngesigaxa sisinye isitsha esinye esihloniphekayo nesinye esingahloniphekiyo na?

Nabezizwe bayakukhethwa ngomusa kaNkulunkulu

[22] Uma, pho, uNkulunkulu, ethanda ukubonakalisa ulaka nokuveza amandla akhe, wathwala ngokubekezela okukhulu izitsha zolaka ezilungiselwe ukubhujiswa

[23] a fim de que também desse a conhecer as riquezas da sua glória em vasos de misericórdia, que para glória preparou de antemão,

[24] os quais somos nós, a quem também chamou, não só dentre os judeus, mas também dentre os gentios?

[25] Assim como também diz em Oseias: Chamarei povo meu ao que não era meu povo; e amada, à que não era amada;

[26] e no lugar em que se lhes disse: Vós não sois meu povo, ali mesmo serão chamados filhos do Deus vivo.

[27] Mas, relativamente a Israel, dele clama Isaías: Ainda que o número dos filhos de Israel seja como a areia do mar, o remanescente é que será salvo.

[28] Porque o SENHOR cumprirá a sua palavra sobre a terra, cabalmente e em breve;

[29] como Isaías já disse: Se o SENHOR dos Exércitos não nos tivesse deixado descendência, ter-nos-íamos tornado como Sodoma e semelhantes a Gomorra.

Israel é responsável pela sua rejeição

[30] Que diremos, pois? Que os gentios, que não buscavam a justificação, vieram a alcançá-la, todavia, a que decorre da fé;

[31] e Israel, que buscava a lei de justiça, não chegou a atingir essa lei.

[32] Por quê? Porque não decorreu da fé, e sim como que das obras. Tropeçaram na pedra de tropeço,

[23]ukuba abonakalise ingcebo yenkazimulo yakhe ezitsheni zomusa ayezilungisele inkazimulo ngaphambili,

[24]thina asibizayo nathi, kungesikho kubaJuda kuphela kodwa nakwabezizwe?

[25] Njengalokhu esho nakuHoseya ukuthi: Ngiyakubiza abangesiso isizwe sami ngokuthi isizwe sami, nongathandiwe ngokuthi uthandiwe;

[26] nasendaweni lapha kwathiwa kubo: Anisibo abantu bami, lapho bayakubizwa ngokuthi: Abantwana bakaNkulunkulu ophilayo.

[27] U-Isaya umemeza ngo-Israyeli, uthi: Nokuba umumo wabantwana bakwa-Israyeli ungangesihlabathi solwandle, yinsali eyakusindiswa,

[28]ngokuba iNkosi iyakufeza izwi layo emhlabeni, iliphelelise, ikhawuleze,

[29] njengalokho washo u-Isaya ngaphambili ukuthi: Uma iNkosi Sebawoti ibingasishiyelanga inzalo besiyakuba njengeSodoma, sifane neGomora.

[30] Ngakho siyakuthini na? Ukuthi abezizwe abangafunisisanga ukulunga batholile ukulunga, ukulunga kambe okungokukholwa;

[31]kepha u-Israyeli, elandela umthetho wokulunga, kafinyelelanga emthethweni.

[32]Ngani na? Ngokuba akubanga ngokukholwa kodwa kungathi

ngemisebenzi; baqhuzuka etsheni lokuqhuzula,

[33] como está escrito: Eis que ponho em Sião uma pedra de tropeço e rocha de escândalo, e aquele que nela crê não será confundido.

[33]njengalokho kulotshiwe ukuthi: Bheka, ngibeka eSiyoni itshe lokukhubekisa, nedwala lokuwisa, nokholwa yilo akayikujabha.

Romanos 10

Os judeus rejeitam a justiça de Deus

[1] Irmãos, a boa vontade do meu coração e a minha súplica a Deus a favor deles são para que sejam salvos.

[2] Porque lhes dou testemunho de que eles têm zelo por Deus, porém não com entendimento.

[3] Porquanto, desconhecendo a justiça de Deus e procurando estabelecer a sua própria, não se sujeitaram à que vem de Deus.

[4] Porque o fim da lei é Cristo, para justiça de todo aquele que crê.

[5] Ora, Moisés escreveu que o homem que praticar a justiça decorrente da lei viverá por ela.

[6] Mas a justiça decorrente da fé assim diz: Não perguntes em teu coração: Quem subirá ao céu?, isto é, para trazer do alto a Cristo;

[7] ou: Quem descerá ao abismo?, isto é, para levantar Cristo dentre os mortos.

[8] Porém que se diz? A palavra está perto de ti, na tua boca e no teu coração; isto é, a palavra da fé que pregamos.

KwabaseRoma 10

AbaJuda bafuna ukulunga ngemisebenzi yomthetho kungengokukholwa, noma ivangeli lishunyayelwe kubo

[1] Bazalwane, ukulangazela kwenhliziyo yami nokunxusa kwami kuNkulunkulu ngabo kungukuba basindiswe.

[2] Ngokuba ngiyabafakazela ukuthi bashisekela uNkulunkulu kodwa kungengokuqonda;

[3] ngokuba bengakwazi ukulunga kukaNkulunkulu, befuna ukumisa okwabo, abakuthobelanga ukulunga kukaNkulunkulu.

[4]Ngokuba isiphetho somthetho nguKristu, kube ngukulunga kubo bonke abakholwayo.

[5] Ngokuba uMose uloba ukuthi umuntu owenza ukulunga okuvela emthethweni uyakuphila ngakho.

[6] Kepha ukulunga okuvela ngokukholwa kusho kuthi: Ungasho enhliziyweni yakho ukuthi: Ngubani ozakwenyukela ezulwini na? okungukuthi ukwehlisa uKristu,

[7]nokuba: Ngubani ozakwehlela kwalasha na? okungukuthi ukukhuphula uKristu kwabafileyo.

[8]Kepha kuthini na? Izwi liseduze nawe, emlonyeni wakho nasenhliziyweni yakho,

okungukuthi izwi lokukholwa esilishumayelayo.

[9] Se, com a tua boca, confessares Jesus como SENHOR e, em teu coração, creres que Deus o ressuscitou dentre os mortos, serás salvo.

[9] Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa;

[10] Porque com o coração se crê para justiça e com a boca se confessa a respeito da salvação.

[10]ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngukusindiswa.

[11] Porquanto a Escritura diz: Todo aquele que nele crê não será confundido.

[11] Ngokuba umbhalo uthi: Lowo okholwayo akayikujabhiswa.

[12] Pois não há distinção entre judeu e grego, uma vez que o mesmo é o SENHOR de todos, rico para com todos os que o invocam.

[12]Ngokuba akukho mahluko phakathi komJuda nomGreki, lokhu yena uyiNkosi yabo bonke, ubacebele bonke abakhuleka kuye,

[13] Porque: Todo aquele que invocar o nome do SENHOR será salvo.

[13] ngokuba bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.

[14] Como, porém, invocarão aquele em quem não creram? E como crerão naquele de quem nada ouviram? E como ouvirão, se não há quem pregue?

[14]Kepha bayakukhuleka kanjani kuye abangakholwanga nguye na? Bayakukholwa kanjani abangezwanga ngaye na? Bayakuzwa kanjani, kungekho oshumayelayo na?

[15] E como pregarão, se não forem enviados? Como está escrito: Quão formosos são os pés dos que anunciam coisas boas!

[15] Bayakushumayela kanjani, uma bengathunywa na? Njengokulotshiweyo ukuthi: Yeka, zinhle izinyawo zabashumayela izindaba ezinhle.

Israel não pode alegar falta de oportunidade

[16] Mas nem todos obedeceram ao evangelho; pois Isaías diz: SENHOR, quem acreditou na nossa pregação?

[16] Kodwa abalilalelanga bonke ivangeli. Ngokuba u-Isaya uthi: Nkosi, ngubani owakholwa ngesikuzwileyo na?

[17] E, assim, a fé vem pela pregação, e a pregação, pela palavra de Cristo.

[17]Ngalokho-ke ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa kuvela ngezwi likaKristu.

[18] Mas pergunto: Porventura, não ouviram? Sim, por certo: Por toda a terra

[18]Kepha ngithi: Abezwanga yini na? Yebo, impela: Izwi labo liphumele emhlabeni

se fez ouvir a sua voz, e as suas palavras, até aos confins do mundo.

[19] Pergunto mais: Porventura, não terá chegado isso ao conhecimento de Israel? Moisés já dizia: Eu vos porei em ciúmes com um povo que não é nação, com gente insensata eu vos provocarei à ira.

[20] E Isaías a mais se atreve e diz: Fui achado pelos que não me procuravam, revelei-me aos que não perguntavam por mim.

[21] Quanto a Israel, porém, diz: Todo o dia estendi as mãos a um povo rebelde e contradizente.

wonke, nokusho kwabo kuye nasemikhawulweni yelakhiweyo.

[19] Kepha ngithi: U-Israyeli wayengaqondi na? Kuqala, uMose uthi: Mina ngiyakunivusela umhawu ngabangesiso isizwe, nginithukuthelise ngesizwe esingenangqondo.

[20] Kepha u-Isaya unesibindi sokuthi: Ngafunyanwa yilabo abangangifunanga, ngabonakala kulabo abangangibuzanga.

[21]Kodwa ngo-Israyeli uthi: Usuku lonke ngelulela izandla zami kuso isizwe esingalaleliyo nesiphikayo.

Romanos 11

O futuro de Israel

[1] Pergunto, pois: terá Deus, porventura, rejeitado o seu povo? De modo nenhum! Porque eu também sou israelita da descendência de Abraão, da tribo de Benjamim.

[2] Deus não rejeitou o seu povo, a quem de antemão conheceu. Ou não sabeis o que a Escritura refere a respeito de Elias, como insta perante Deus contra Israel, dizendo:

[3] SENHOR, mataram os teus profetas, arrasaram os teus altares, e só eu fiquei, e procuram tirar-me a vida.

[4] Que lhe disse, porém, a resposta divina? Reservei para mim sete mil homens, que não dobraram os joelhos diante de Baal.

KwabaseRoma 11

Insali ka-Israyeli yasindiswa

[1] Ngalokho ngithi: UNkulunkulu usilahlile isizwe sakhe na? Qha nakanye, ngokuba nami ngingumIsrayeli, wenzalo ka-Abrahama, wesizwe sakwaBenjamini.

[2] UNkulunkulu akasilahlanga isizwe sakhe ayesazi ngaphambili. Kumbe anazi yini ukuthi umbhalo uthini ngo-Eliya ukuba umangalela u-Israyeli kuNkulunkulu ngokuthi:

[3] Nkosi, bababulele abaprofethi bakho, badilizile ama-altare akho, mina ngisele ngedwa, sebefuna ukungibulala nami, na?

[4] Kepha impendulo kaNkulunkulu ithini kuye na? Ithi: Ngizishiyele amadoda ayizinkulungwane eziyisikhombisa angaguqanga ngamadolo kuBali.

[5] Assim, pois, também agora, no tempo de hoje, sobrevive um remanescente segundo a eleição da graça.

[6] E, se é pela graça, já não é pelas obras; do contrário, a graça já não é graça.

[7] Que diremos, pois? O que Israel busca, isso não conseguiu; mas a eleição o alcançou; e os mais foram endurecidos,

[8] como está escrito: Deus lhes deu espírito de entorpecimento, olhos para não ver e ouvidos para não ouvir, até ao dia de hoje.

[9] E diz Davi: Torne-se-lhes a mesa em laço e armadilha, em tropeço e punição;

[10] escureçam-se-lhes os olhos, para que não vejam, e fiquem para sempre encurvadas as suas costas.

A rejeição de Israel não é final

[11] Pergunto, pois: porventura, tropeçaram para que caíssem? De modo nenhum! Mas, pela sua transgressão, veio a salvação aos gentios, para pô-los em ciúmes.

[12] Ora, se a transgressão deles redundou em riqueza para o mundo, e o seu abatimento, em riqueza para os gentios, quanto mais a sua plenitude!

[13] Dirijo-me a vós outros, que sois gentios! Visto, pois, que eu sou apóstolo dos gentios, glorifico o meu ministério,

[5] Kanjalo kukhona nangalesi sikhathi samanje insali ngokokukhetha komusa;

[6] kepha uma kuya ngomusa, akusayi ngemisebenzi; uma kungenjalo, umusa awuseyiwo umusa.

[7] Kunjani, pho? Lokho u-Israyeli akufunayo akakufumananga, kepha abakhethiweyo bakufumana, abanye benziwa baba lukhuni,

[8]njengalokho kulotshiwe ukuthi: UNkulunkulu wabanika umoya wobuthongo, amehlo okungaboni, nezindlebe zokungezwa, kuze kube lusuku lwanamuhla.

[9] NoDavide uthi: Itafula labo malibe yisihibe nogibe, nesikhubekiso nempindiselo kubo,

[10]kufiphazwe amehlo abo ukuba angaboni, ugobe umhlane wabo njalo.

Ngokungakholwa kuka-Israyeli insindiso yafika kwabezizwe

[11] Ngakho ngithi: Bakhubeka ukuba bawe na? Qha nakanye; kepha ngesiphambeko sabo insindiso ifikile kwabezizwe ukubavusela umhawu.

[12] Kepha uma isiphambeko sabo siyingcebo yezwe, nokuncipha kwabo kuyingcebo yabezizwe, pho, kakhulu kangakanani ukuphelela kwabo.

[13] Ngikhuluma kini nina bezizwe. Njengokuba mina ngingumphostoli wabezizwe, ngidumisa ukukhonza kwami

[14] para ver se, de algum modo, posso incitar à emulação os do meu povo e salvar alguns deles.

[15] Porque, se o fato de terem sido eles rejeitados trouxe reconciliação ao mundo, que será o seu restabelecimento, senão vida dentre os mortos?

[16] E, se forem santas as primícias da massa, igualmente o será a sua totalidade; se for santa a raiz, também os ramos o serão.

[17] Se, porém, alguns dos ramos foram quebrados, e tu, sendo oliveira brava, foste enxertado em meio deles e te tornaste participante da raiz e da seiva da oliveira,

[18] não te glories contra os ramos; porém, se te gloriares, sabe que não és tu que sustentas a raiz, mas a raiz, a ti.

[19] Dirás, pois: Alguns ramos foram quebrados, para que eu fosse enxertado.

[20] Bem! Pela sua incredulidade, foram quebrados; tu, porém, mediante a fé, estás firme. Não te ensoberbeças, mas teme.

[21] Porque, se Deus não poupou os ramos naturais, também não te poupará.

[22] Considerai, pois, a bondade e a severidade de Deus: para com os que caíram, severidade; mas, para contigo, a bondade de Deus, se nela permaneceres; doutra sorte, também tu serás cortado.

[23] Eles também, se não permanecerem na incredulidade, serão enxertados; pois Deus é poderoso para os enxertar de novo.

[14]ukuba mhlawumbe ngingabavusela umhawu abenyama yami, ngisindise abanye kubo.

[15]Ngokuba uma ukulahlwa kwabo kungukubuyiswa kwezwe, ukwamukelwa kwabo kungaba yini, uma kungesikho ukuphila kwabafileyo na?

[16]Uma ulibo lungcwele, nenhlama injalo; uma impande ingcwele, namagatsha anjalo.

[17] Kepha uma kwaphulwa amanye amagatsha, wena-ke ongumnqumo wasendle wafakelwa phakathi kwawo, wahlanganyela nawo impande yamafutha yomnqumo,

[18] ungazigabisi phezu kwamagatsha; kepha uma uzigabisa, akusuwe othwele impande, kepha yimpande ethwele wena.

[19]Uzakuthi-ke wena: Amagatsha aphulwa ukuba mina ngifakelwe.

[20]Kulungile; aphulwa ngokungakholwa, wena-ke umi ngokukholwa. Ungazikhukhumezi, kepha yesaba;

[21]ngokuba uma uNkulunkulu engayekanga amagatsha emvelo, nawe angeze akuyeka.

[10] para que, pela igreja, a multiforme sabedoria de Deus se torne conhecida, agora, dos principados e potestades nos lugares celestiais,

[11] segundo o eterno propósito que estabeleceu em Cristo Jesus, nosso SENHOR,

[2] uma ngabe senizwile ngohlelo lomusa kaNkulunkulu engiwuphiweyo ngenxa yenu

[3] ukuthi ngaziswa imfihlakalo ngesambulo, njengalokho sengaloba ngokufushane --

[4]okungakho, nxa nikufunda, ningaqonda ukwazi kwami ngemfihlakalo kaKristu,

[5] bengayaziswanga abantwana babantu ezizukulwaneni ezinye, njengalokhu isiyambuliwe manje kubaphostoli bakhe abangcwele nabaprofethi ngoMoya

[6] ukuthi abezizwe bayizindlalifa kanye nathi, nokuthi bamzimba munye nathi, nokuthi bangabahlanganyeli besithembiso kanye nathi kuKristu Jesu ngevangeli;

[7] engenziwa isikhonzi salo ngokwesipho somusa kaNkulunkulu engiwuphiwe ngokokusebenza kwamandla akhe.

[8] Mina engimncinyane kunabo bonke abangcwele ngaphiwa lowo musa wokushumayeza abezizwe ivangeli lengcebo kaKristu engaphenyekiyo

[9] nokubakhanyisela ukuthi luyini uhlelo lwemfihlakalo ebifihliwe kwaphakade kuNkulunkulu owadala izinto zonke,

[10] ukuze imibuso nabanamandla emazulwini baziswe manje ngebandla ukuhlakanipha okuninginingi kukaNkulunkulu,

[11] ngokwecebo laphakade alenza ngoKristu Jesu iNkosi yethu;

[12] pelo qual temos ousadia e acesso com confiança, mediante a fé nele.

[13] Portanto, vos peço que não desfaleçais nas minhas tribulações por vós, pois nisso está a vossa glória.

Paulo ora novamente

[14] Por esta causa, me ponho de joelhos diante do Pai,

[15] de quem toma o nome toda família, tanto no céu como sobre a terra,

[16] para que, segundo a riqueza da sua glória, vos conceda que sejais fortalecidos com poder, mediante o seu Espírito no homem interior;

[17] e, assim, habite Cristo no vosso coração, pela fé, estando vós arraigados e alicerçados em amor,

[18] a fim de poderdes compreender, com todos os santos, qual é a largura, e o comprimento, e a altura, e a profundidade

[19] e conhecer o amor de Cristo, que excede todo entendimento, para que sejais tomados de toda a plenitude de Deus.

[20] Ora, àquele que é poderoso para fazer infinitamente mais do que tudo quanto pedimos ou pensamos, conforme o seu poder que opera em nós,

[21] a ele seja a glória, na igreja e em Cristo Jesus, por todas as gerações, para todo o sempre. Amém!

Efésios 4

A unidade da fé

[12] okungaye sinesibindi ukungena ngokwethemba, ngokukholwa nguye.

[13] Ngalokho ngiyacela ukuba ningadangali ngezinhlupheko zami ngenxa yenu, okuludumo lwenu.

UPawulu ukhulekela ibandla ukuba likhule ekwazini uthando lukaNkulunkulu

[14]Ngenxa yalokho ngiguqa ngamadolo ami kuYise,

[15]eyethiwa ngaye imindeni yonke ezulwini nasemhlabeni,

[16] ukuba ngokwengcebo yenkazimulo yakhe aninike ukuqiniseka emandleni ngoMoya wakhe kumuntu ongaphakathi;

[17] uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa, ukuze nigxile, nisekelwe othandweni,

[18] nibe namandla okuqonda kanye nabangcwele bonke okungububanzi, nobude, nokuphakama, nokujula,

[19]nokulwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi konke, ukuze nigcwaliswe kube ngukugcwala konke kukaNkulunkulu.

[20]Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi,

[21]makube kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke zaphakade naphakade. Amen.

Kwabase-Efesu 4

Ukwahlukana kweziphiwo zikaMoya nobunye bokukholwa

[1] Rogo-vos, pois, eu, o prisioneiro no SENHOR, que andeis de modo digno da vocação a que fostes chamados,

[1] Ngakho mina siboshwa eNkosini ngiyanincenga ukuba nihambe ngokufanele ukubizwa enabizwa ngakho,

[2] com toda a humildade e mansidão, com longanimidade, suportando-vos uns aos outros em amor,

[2] ngokuthobeka konke nobumnene, ngokubheka kade nokubekezelelana ngothando,

[3] esforçando-vos diligentemente por preservar a unidade do Espírito no vínculo da paz;

[3]nikhuthalele ukugcina ubunye bukaMoya ngesibopho sokuthula;

[4] há somente um corpo e um Espírito, como também fostes chamados numa só esperança da vossa vocação;

[4] munye umzimba, munye uMoya, njengalokho nabizelwa ethembeni linye lokubizwa kwenu;

[5] há um só SENHOR, uma só fé, um só batismo;

[5] yinye iNkosi, yinye inkolo, munye umbhapathizo;

[6] um só Deus e Pai de todos, o qual é sobre todos, age por meio de todos e está em todos.

[6] munye uNkulunkulu, uYise wabo bonke, ophezu kwabo bonke, okubo bonke, ophakathi kwabo bonke.

O santo ministério e o serviço dos santos

[7] E a graça foi concedida a cada um de nós segundo a proporção do dom de Cristo.

[7] Kepha yilowo nalowo kithina uphiwe umusa ngokwesilinganiso sesipho sikaKristu.

[8] Por isso, diz: Quando ele subiu às alturas, levou cativo o cativeiro e concedeu dons aos homens.

[8] Ngalokho uthi: Esenyukele phezulu wathumba abathunjiweyo, wapha abantu izipho.

[9] Ora, que quer dizer subiu, senão que também havia descido até às regiões inferiores da terra?

[9] Kepha lokhu ukuthi wenyuka, kuthini, uma kungesikho ukuthi wake wehlela ezindaweni zomhlaba eziphansi na?

[10] Aquele que desceu é também o mesmo que subiu acima de todos os céus, para encher todas as coisas.

[10] Owehlayo nguyena owenyukela futhi ngaphezu kwamazulu onke, ukuze agcwalise konke.

[11] E ele mesmo concedeu uns para apóstolos, outros para profetas, outros para evangelistas e outros para pastores e mestres,

[11] Nguyena futhi owanika abanye ukuba babe ngabaphostoli, abanye abaprofethi, abanye abavangeli, abanye abelusi nabafundisi,

[12] com vistas ao aperfeiçoamento dos santos para o desempenho do seu serviço, para a edificação do corpo de Cristo,

[13] até que todos cheguemos à unidade da fé e do pleno conhecimento do Filho de Deus, à perfeita varonilidade, à medida da estatura da plenitude de Cristo,

[14] para que não mais sejamos como meninos, agitados de um lado para outro e levados ao redor por todo vento de doutrina, pela artimanha dos homens, pela astúcia com que induzem ao erro.

[15] Mas, seguindo a verdade em amor, cresçamos em tudo naquele que é a cabeça, Cristo,

[16] de quem todo o corpo, bem ajustado e consolidado pelo auxílio de toda junta, segundo a justa cooperação de cada parte, efetua o seu próprio aumento para a edificação de si mesmo em amor.

A santidade cristã oposta à dissolução

[17] Isto, portanto, digo e no SENHOR testifico que não mais andeis como também andam os gentios, na vaidade dos seus próprios pensamentos,

[18] obscurecidos de entendimento, alheios à vida de Deus por causa da ignorância em que vivem, pela dureza do seu coração,

[19] os quais, tendo-se tornado insensíveis, se entregaram à dissolução para, com avidez, cometerem toda sorte de impureza.

[12] ukuze abangcwele bapheleliselwe umsebenzi wokukhonza, kwakhiwe umzimba kaKristu,

[13] size sifinyelele sonke ebunyeni bokukholwa nasekwazini iNdodana kaNkulunkulu, ebudodeni obupheleleyo, esilinganisweni sobukhulu sokugcwala kukaKristu,

[14] ukuze singabe sisaba yizingane, sishukunyiswa okwamaza, sipheshulwa yimimoya yonke yezifundiso ngenkohliso yabantu, ngobuqili obunamacebo okudukisayo;

[15] kodwa sithi sikhuluma iqiniso ngothando, sikhulele ngakho konke kuye oyinhloko, uKristu,

[16] okungaye umzimba wonke uhlanganisiwe, ubambene ngokwelekelelana kwamalungu onke awo njengokusebenza okulinganiselwe yilelo nalelo lungu, kukhuliswe umzimba, ube yisakhiwo othandweni.

Izono zabangakholwayo

[17] Ngakho ngisho, ngifakaza eNkosini, ngithi ningabe nisahamba njengalokhu kuhamba abezizwe ebuzeni bengqondo yabo,

[18]behlwelwe emqondweni, behlukanisiwe nokuphila kukaNkulunkulu ngokungazi okukubo ngenxa yobulukhuni benhliziyo yabo,

[19] abathi bebuthuntu, bazinikela emanyaleni, ukuze basebenze ukungcola konke ngokuhuheka.

[20] Mas não foi assim que aprendestes a Cristo,

[21] se é que, de fato, o tendes ouvido e nele fostes instruídos, segundo é a verdade em Jesus,

[22] no sentido de que, quanto ao trato passado, vos despojeis do velho homem, que se corrompe segundo as concupiscências do engano,

[23] e vos renoveis no espírito do vosso entendimento,

[24] e vos revistais do novo homem, criado segundo Deus, em justiça e retidão procedentes da verdade.

Exortações à santidade

[25] Por isso, deixando a mentira, fale cada um a verdade com o seu próximo, porque somos membros uns dos outros.

[26] Irai-vos e não pequeis; não se ponha o sol sobre a vossa ira,

[27] nem deis lugar ao diabo.

[28] Aquele que furtava não furte mais; antes, trabalhe, fazendo com as próprias mãos o que é bom, para que tenha com que acudir ao necessitado.

[29] Não saia da vossa boca nenhuma palavra torpe, e sim unicamente a que for boa para edificação, conforme a necessidade, e, assim, transmita graça aos que ouvem.

[30] E não entristeçais o Espírito de Deus, no qual fostes selados para o dia da redenção.

[20]Kepha nina animfundanga uKristu kanjalo,

[21]uma-ke nimzwile nafundiswa kuye, njengokuba iqiniso likuJesu,

[22] ukuba nikhumule umuntu omdala ongowenkambo yokuqala, owonakala ngezinkanuko zenkohliso,

[23] nenziwe basha emoyeni wengqondo yenu,

[24]nembathe umuntu omusha owadalwa ngokukaNkulunkulu ekulungeni nasebungcweleni beqiniso.

[25] Ngakho lahlani amanga, nikhulume iqiniso, yilowo nalowo nomakhelwane wakhe, lokhu singamalungu omunye komunye.

[26]Thukuthelani ningoni; ilanga malingashoni nisathukuthele.

[27]Ningamniki uSathane indawo.

[28] Owebayo angabe eseba, kepha kunalokho akhuthale asebenze okuhle ngezandla zakhe, ukuze abe nokokwabela osweleyo.

[29] Makungaphumi emlonyeni wenu nalinye izwi elibolileyo, kodwa kube ngelilungele ukwakha njengokuswelekileyo, ukuze libavezele umusa abezwayo.

[30] Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa.

[31] Longe de vós, toda amargura, e cólera, e ira, e gritaria, e blasfêmias, e bem assim toda malícia.

[32] Antes, sede uns para com os outros benignos, compassivos, perdoando-vos uns aos outros, como também Deus, em Cristo, vos perdoou.

Efésios 5

[1] Sede, pois, imitadores de Deus, como filhos amados;

[2] e andai em amor, como também Cristo nos amou e se entregou a si mesmo por nós, como oferta e sacrifício a Deus, em aroma suave.

O fruto da luz e as obras das trevas

[3] Mas a impudicícia e toda sorte de impurezas ou cobiça nem sequer se nomeiem entre vós, como convém a santos;

[4] nem conversação torpe, nem palavras vãs ou chocarrices, coisas essas inconvenientes; antes, pelo contrário, ações de graças.

[5] Sabei, pois, isto: nenhum incontinente, ou impuro, ou avarento, que é idólatra, tem herança no reino de Cristo e de Deus.

[6] Ninguém vos engane com palavras vãs; porque, por essas coisas, vem a ira de Deus sobre os filhos da desobediência.

[31]Konke okubabayo, nentukuthelo, nolaka, nomsindo, nokuhlambalaza makususwe kini kanye nakho konke okubi.

[32] Maniphathane ngobumnene, nihawukelane, nithethelelane, njengalokho noNkulunkulu wanithethelela ngoKristu.

Kwabase-Efesu 5

UPawulu uxwayisa ngemisebenzi yobumnyama

[1] Ngakho yibani ngabalingisa uNkulunkulu njengabantwana abathandekayo,

[2] nihambe othandweni, njengalokho uKristu wanithanda, wazinikela ngenxa yethu, abe ngumnikelo nomhlatshelo, abe yiphunga elimnandi kuNkulunkulu.

[3] Kepha ubufebe, nakho konke ukungcola, noma isangabe, makungaphathwa nangegama phakathi kwenu, njengokuba kufanele abangcwele,

[4] nehlazo, nokubheda, nokulawula, okuyizinto ezingafanele, kepha kunalokho makube ngukubonga.

[5] Ngokuba yazini lokhu, nikuqonde ukuthi akukho sifebe, noma ongcolileyo, noma onesangabe ongokhonza izithombe, onefa embusweni kaKristu noNkulunkulu.

Ukuhamba ekukhanyeni

[6] Masingakhohliswa muntu ngamazwi ayize, ngokuba ngenxa yalezo zinto ulaka lukaNkulunkulu lwehlela phezu kwabantwana bokungalaleli.

[7] Portanto, não sejais participantes com eles.

[7]Ngakho-ke ningabi ngabahlanganyela nabo.

[8] Pois, outrora, éreis trevas, porém, agora, sois luz no SENHOR; andai como filhos da luz

[8] Ngokuba kade naningubumnyama, kepha manje ningukukhanya eNkosini; hambani njengabantwana bokukhanya,

[9] (porque o fruto da luz consiste em toda bondade, e justiça, e verdade),

[9] ngokuba izithelo zokukhanya zisebuhleni bonke nasekulungeni naseqinisweni,

[10] provando sempre o que é agradável ao SENHOR.

[10] nihlole ukuthi kuyini okuthandeka eNkosini,

[11] E não sejais cúmplices nas obras infrutíferas das trevas; antes, porém, reprovai-as.

[11] ningahlanganyeli imisebenzi yobumnyama engenazithelo, kepha kunalokho niyidalule;

[12] Porque o que eles fazem em oculto, o só referir é vergonha.

[12] ngokuba okwenziwa yibo ngasese kuyihlazo nokukhuluma ngakho.

[13] Mas todas as coisas, quando reprovadas pela luz, se tornam manifestas; porque tudo que se manifesta é luz.

[13] Kepha konke okudalulwayo kubonakaliswa ngukukhanya, ngokuba konke okubonakaliswayo kungukukhanya.

[14] Pelo que diz: Desperta, ó tu que dormes, levanta-te de entre os mortos, e Cristo te iluminará.

[14] Ngalokho uthi: Phaphama wena oleleyo, uvuke kwabafileyo, uKristu uzakukukhanyisa.

[15] Portanto, vede prudentemente como andais, não como néscios, e sim como sábios,

[15] Ngakho-ke bhekisisani ukuthi nihamba kanjani, kungabi njengabangahlakaniphile kepha njengabahlakaniphileyo,

[16] remindo o tempo, porque os dias são maus.

[16]nithengisise isikhathi, ngokuba izinsuku zimbi.

[17] Por esta razão, não vos torneis insensatos, mas procurai compreender qual a vontade do SENHOR.

[17]Ngakho-ke ningabi yiziwula, kodwa qondani okuyintando yeNkosi.

[18] E não vos embriagueis com vinho, no qual há dissolução, mas enchei-vos do Espírito,

[18] Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhumheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya,

[19] falando entre vós com salmos, entoando e louvando de coração ao SENHOR com hinos e cânticos espirituais,

[20] dando sempre graças por tudo a nosso Deus e Pai, em nome de nosso SENHOR Jesus Cristo,

[21] sujeitando-vos uns aos outros no temor de Cristo.

O lar cristão: marido e mulher

[22] As mulheres sejam submissas ao seu próprio marido, como ao SENHOR;

[23] porque o marido é o cabeça da mulher, como também Cristo é o cabeça da igreja, sendo este mesmo o salvador do corpo.

[24] Como, porém, a igreja está sujeita a Cristo, assim também as mulheres sejam em tudo submissas ao seu marido.

[25] Maridos, amai vossa mulher, como também Cristo amou a igreja e a si mesmo se entregou por ela,

[26] para que a santificasse, tendo-a purificado por meio da lavagem de água pela palavra,

[27] para a apresentar a si mesmo igreja gloriosa, sem mácula, nem ruga, nem coisa semelhante, porém santa e sem defeito.

[28] Assim também os maridos devem amar a sua mulher como ao próprio corpo. Quem ama a esposa a si mesmo se ama.

[29] Porque ninguém jamais odiou a própria carne; antes, a alimenta e dela cuida, como também Cristo o faz com a igreja;

[19]niphendulane ngamahubo nangezihlabelelo nangamaculo okomoya, nihlabelele, nihubele iNkosi enhliziyweni yenu,

[20] nimbonge njalo uNkulunkulu uYise ngakho konke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu,

[21] nithobelane ngokumesaba uKristu.

Ukuphathana kwabaganeneyo

[22] Abafazi mabathobele amadoda abo kungathi kukuyo iNkosi,

[23]ngokuba indoda iyinhloko yomfazi, njengokuba noKristu uyinhloko yebandla, yena engumsindisi womzimba.

[24]Kepha njengokuba ibandla lithobela uKristu, kanjalo nabafazi mabathobele amadoda ezintweni zonke.

[25] Madoda, thandani omkenu, njengalokho noKristu ulithandile ibandla, wazinikela ngenxa yalo

[26] ukuba alingcwelise, alihlambulule ngesigezo samanzi ngezwi,

[27] ukuze azimisele ibandla elinenkazimulo, lingenasisihla, nambimbi, nanto enjalo, kodwa libe ngcwele lingenacala.

[28]Kanjalo amadoda afanele ukuthanda omkawo njengemizimba yawo. Othanda umkakhe uzithanda yena.

[29]Ngokuba akakho owake wazonda eyakhe inyama, kepha uyayondla, ayiphathe kahle, njengalokhu noKristu enza kulo ibandla;

[30] porque somos membros do seu corpo.

[31] Eis por que deixará o homem a seu pai e a sua mãe e se unirá à sua mulher, e se tornarão os dois uma só carne.

[32] Grande é este mistério, mas eu me refiro a Cristo e à igreja.

[33] Não obstante, vós, cada um de per si também ame a própria esposa como a si mesmo, e a esposa respeite ao marido.

Efésios 6

O lar cristão: filhos e pais

[1] Filhos, obedecei a vossos pais no SENHOR, pois isto é justo.

[2] Honra a teu pai e a tua mãe (que é o primeiro mandamento com promessa),

[3] para que te vá bem, e sejas de longa vida sobre a terra.

[4] E vós, pais, não provoqueis vossos filhos à ira, mas criai-os na disciplina e na admoestação do SENHOR.

O lar cristão: servos e senhores

[5] Quanto a vós outros, servos, obedecei a vosso senhor segundo a carne com temor e tremor, na sinceridade do vosso coração, como a Cristo,

[6] não servindo à vista, como para agradar a homens, mas como servos de Cristo, fazendo, de coração, a vontade de Deus;

[7] servindo de boa vontade, como ao SENHOR e não como a homens,

[8] certos de que cada um, se fizer alguma coisa boa, receberá isso outra vez do SENHOR, quer seja servo, quer livre.

[30]ngokuba singamalungu omzimba wakhe.

[31]Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labo ababili bayakuba nyamanye.

[32] Le mfihlakalo inkulu, kepha ngikhuluma ngoKristu nebandla.

[33]Nani-ke, yilowo nalowo makathande umkakhe njengokuba ezithanda yena, kepha umfazi makahloniphe indoda yakhe.

Kwabase-Efesu 6

Iziluleko kubantwana nabazali

[1] Bantwana, lalelani abazali benu eNkosini, ngokuba lokho kulungile.

[2] Yazisa uyihlo nonyoko, okungumyalelo wokuqala onesithembiso:

[3] ukuze kube kuhle kuwe, uhlale kade emhlabeni.

[4] Nani boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu, kodwa nibondle ngokuyala nangokuqondisa kweNkosi.

Iziluleko kuzo izinceku namakhosi

[5] Zinceku, abangamakhosi enu ngokwenyama, balaleleni ngokwesaba nokuthuthumela ngobuqotho benhliziyo yenu kungathi kukuKristu,

[6]ningathengi amehlo njengabathokozisa abantu, kodwa njengezinceku zikaKristu nenze intando kaNkulunkulu ngenhliziyo,

[7]nikhonze ngothando kungathi kuseNkosini kungekubantu,

[8] nazi ukuthi konke okuhle yilowo nalowo akwenzayo, uzakukwamukela okunjalo

eNkosini, noma eyinceku noma engokhululekileyo.

[9] E vós, senhores, de igual modo procedei para com eles, deixando as ameaças, sabendo que o SENHOR, tanto deles como vosso, está nos céus e que para com ele não há acepção de pessoas.

[9] Nani makhosi, yenzani okunjalo kuzo, niyeke ukusongela, nazi ukuthi neyazo neyenu iNkosi isezulwini nokuthi ukukhetha umuntu akukho kuye.

A armadura de Deus

Izikhali zamaKristu

[10] Quanto ao mais, sede fortalecidos no SENHOR e na força do seu poder.

[10] Elokugcina, qinani eNkosini nasemandleni ayo amakhulu.

[11] Revesti-vos de toda a armadura de Deus, para poderdes ficar firmes contra as ciladas do diabo;

[11]Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kaSathane;

[12] porque a nossa luta não é contra o sangue e a carne, e sim contra os principados e potestades, contra os dominadores deste mundo tenebroso, contra as forças espirituais do mal, nas regiões celestes.

[12] ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla, nababusi bezwe balobu bumnyama, nabawomoya bobubi emkhathini.

[13] Portanto, tomai toda a armadura de Deus, para que possais resistir no dia mau e, depois de terdes vencido tudo, permanecer inabaláveis.

[13] Ngakho hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu ukuba nibe namandla okuzabalaza ngosuku olubi, nalapho senifeze konke, nime.

[14] Estai, pois, firmes, cingindo-vos com a verdade e vestindo-vos da couraça da justiça.

[14] Ngakho yimani izinkalo zenu ziboshiwe ngeqiniso, nifakile isivikelo sesifuba sokulunga,

[15] Calçai os pés com a preparação do evangelho da paz;

[15] izinyawo zigqokisiwe ukulungela kukho ukushumayela ivangeli lokuthula;

[16] embraçando sempre o escudo da fé, com o qual podereis apagar todos os dardos inflamados do Maligno.

[16]kukho konke nithathe isihlangu sokukholwa eniyakuba namandla okucima ngaso yonke imicibisholo evuthayo yomubi,

[17] Tomai também o capacete da salvação e a espada do Espírito, que é a palavra de Deus;

[17] namukele futhi isigqoko sensindiso, nenkemba kaMoya eyizwi likaNkulunkulu,

[18] com toda oração e súplica, orando em todo tempo no Espírito e para isto vigiando com toda perseverança e súplica por todos os santos

[19] e também por mim; para que me seja dada, no abrir da minha boca, a palavra, para, com intrepidez, fazer conhecido o mistério do evangelho,

[20] pelo qual sou embaixador em cadeias, para que, em Cristo, eu seja ousado para falar, como me cumpre fazê-lo.

Tíquico

[21] E, para que saibais também a meu respeito e o que faço, de tudo vos informará Tíquico, o irmão amado e fiel ministro do SENHOR.

[22] Foi para isso que eu vo-lo enviei, para que saibais a nosso respeito, e ele console o vosso coração.

A bênção

[23] Paz seja com os irmãos e amor com fé, da parte de Deus Pai e do SENHOR Jesus Cristo.

[24] A graça seja com todos os que amam sinceramente a nosso SENHOR Jesus Cristo.

[18] ngokukhuleka konke nokunxusa, nikhuleka ngezikhathi zonke ngoMoya; kulokho nilinde ngesineke sonke nangokunxusela abangcwele bonke,

[19] ninginxusele nami ukuba ngiphiwe izwi, nxa ngivula umlomo wami, ngize ngiyishumayele ngesibindi imfihlakalo yevangeli;

[20] engiyisithunywa ngalo esiboshiwe ngamaketanga, ukuze ngikhulume ngesibindi ngalo, njengokuba kufanele ukuba ngikhulume.

Isigcino

[21] Kepha ukuba nani nazi okuqondene nami nalokhu engikwenzayo, uyakunazisa konke uThikhiku, umzalwane othandekayo nesikhonzi esikholekileyo eNkosini,

[22]engamthumela kini ngakho lokho ukuba nazi izindaba zethu, nokuba aduduze izinhliziyo zenu.

[23]Ukuthula makube kubazalwane, nothando kanye nokukholwa okuvela kuNkulunkulu uYise naseNkosini uJesu Kristu.

[24]Umusa mawube nabo bonke abathanda iNkosi yethu uJesu Kristu ngokunganqamukiyo.

Epístola de Paulo aos Filipenses	KwabaseFilipi

Filipenses 1

Prefácio e saudação

[1] Paulo e Timóteo, servos de Cristo Jesus, a todos os santos em Cristo Jesus, inclusive bispos e diáconos que vivem em Filipos,

[2] graça e paz a vós outros, da parte de Deus, nosso Pai, e do SENHOR Jesus Cristo.

Ação de graças e súplicas em favor dos filipenses

[3] Dou graças ao meu Deus por tudo que recordo de vós,

[4] fazendo sempre, com alegria, súplicas por todos vós, em todas as minhas orações,

[5] pela vossa cooperação no evangelho, desde o primeiro dia até agora.

[6] Estou plenamente certo de que aquele que começou boa obra em vós há de completá-la até ao Dia de Cristo Jesus.

[7] Aliás, é justo que eu assim pense de todos vós, porque vos trago no coração, seja nas minhas algemas, seja na defesa e confirmação do evangelho, pois todos sois participantes da graça comigo.

[8] Pois minha testemunha é Deus, da saudade que tenho de todos vós, na terna misericórdia de Cristo Jesus.

[9] E também faço esta oração: que o vosso amor aumente mais e mais em pleno conhecimento e toda a percepção,

KwabaseFilipi 1

Isibingelelo

[1] OPawulu noThimothewu, izinceku zikaKristu Jesu, kubo bonke abangcwele kuKristu Jesu abaseFilipi, kanye nababonisi namadiyakoni:

[2] Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu.

UPawulu ubonga uNkulunkulu ngabo, abakhulekele

[3] Ngiyambonga uNkulunkulu wami ekunikhumbuleni kwami konke

[4]ngezikhathi zonke ekunxuseni kwami konke ngani nonke, nginxusa ngokuthokoza,

[5]ngenxa yokuhlanganyela kwenu evangelini, kusukela osukwini lokuqala kuze kube manje;

[6] ngethembile ngempela yona le nto ukuthi owaqala umsebenzi omuhle kinina uyakuwufeza kuze kube lusuku lukaKristu Jesu,

[7] njengalokhu kufanele ukuba ngibe nomqondo onjalo ngani nonke, njengokuba nginithwele enhliziyweni yami, lokhu ekuboshweni kwami nasekulivikeleni nasekuliqiniseni ivangeli nina nonke nihlanganyele nami emseni.

[8] Ngokuba uNkulunkulu ungufakazi wami wokuthi nginilangazelela kangakanani nonke ngesihe sikaJesu Kristu.

[9]Ngikhulekela lokhu ukuba uthando lwenu luvame kakhulu njalo ekwazini nasekuqondeni konke,

[10] para aprovardes as coisas excelentes e serdes sinceros e inculpáveis para o Dia de Cristo,

[11] cheios do fruto de justiça, o qual é mediante Jesus Cristo, para a glória e louvor de Deus.

A situação do apóstolo contribui para o progresso do evangelho

[12] Quero ainda, irmãos, cientificar-vos de que as coisas que me aconteceram têm, antes, contribuído para o progresso do evangelho;

[13] de maneira que as minhas cadeias, em Cristo, se tornaram conhecidas de toda a guarda pretoriana e de todos os demais;

[14] e a maioria dos irmãos, estimulados no SENHOR por minhas algemas, ousam falar com mais desassombro a palavra de Deus.

[15] Alguns, efetivamente, proclamam a Cristo por inveja e porfia; outros, porém, o fazem de boa vontade;

[16] estes, por amor, sabendo que estou incumbido da defesa do evangelho;

[17] aqueles, contudo, pregam a Cristo, por discórdia, insinceramente, julgando suscitar tribulação às minhas cadeias.

[18] Todavia, que importa? Uma vez que Cristo, de qualquer modo, está sendo pregado, quer por pretexto, quer por verdade, também com isto me regozijo, sim, sempre me regozijarei.

[19] Porque estou certo de que isto mesmo, pela vossa súplica e pela provisão do

[10]ukuze nikwazi ukwahlukanisa, nize nibe mhlophe nabangakhubekisiyo kuze kube lusuku lukaKristu,

[11] nigcwaliswe ngezithelo zokulunga ezingaye uJesu Kristu, kube yinkazimulo nodumo kuNkulunkulu.

UPawulu ulanda ngokuhlala kwakhe eboshiwe eRoma

[12] Kepha ngithanda ukuba nazi, bazalwane, ukuthi lokho okwangehlelayo kugcine kwaveza ukuqhubeka kwevangeli,

[13]kwaze kwathi izibopho zami zabonakala enqabeni yonke nakubo bonke abanye ukuthi zingenxa kaKristu

[14]nokuthi iningi labazalwane eNkosini betholile ithemba ngezibopho zami bazuzile kakhulu isibindi sokukhuluma izwi likaNkulunkulu ngokungesabi.

[15]Abanye kambe bashumayela uKristu ngomhawu nangombango kepha abanye ngenhliziyo enhle;

[16]laba bashumayela ngothando, bazi ukuthi ngimiselwe ukuvikela ivangeli,

[17]kepha labo bamemezela uKristu ngombango kungenganhliziyo emhlophe, bethi bazakungivusela ukukhathazeka ekuboshweni kwami.

[18]Kunani pho? Nokho uKristu uyamenyezelwa ngezindlela zonke, noma ngokuzenzisa noma ngesiminya; kulokho-ke ngiyathokoza, yebo, ngiyakuthokoza,

[19] ngokuba ngiyazi ukuthi lokhu kuyakungenzela ukusindiswa ngokunxusa

Espírito de Jesus Cristo, me redundará em libertação,

[20] segundo a minha ardente expectativa e esperança de que em nada serei envergonhado; antes, com toda a ousadia, como sempre, também agora, será Cristo engrandecido no meu corpo, quer pela vida, quer pela morte.

[21] Porquanto, para mim, o viver é Cristo, e o morrer é lucro.

[22] Entretanto, se o viver na carne traz fruto para o meu trabalho, já não sei o que hei de escolher.

[23] Ora, de um e outro lado, estou constrangido, tendo o desejo de partir e estar com Cristo, o que é incomparavelmente melhor.

[24] Mas, por vossa causa, é mais necessário permanecer na carne.

[25] E, convencido disto, estou certo de que ficarei e permanecerei com todos vós, para o vosso progresso e gozo da fé,

[26] a fim de que aumente, quanto a mim, o motivo de vos gloriardes em Cristo Jesus, pela minha presença, de novo, convosco.

A unidade cristã na luta

[27] Vivei, acima de tudo, por modo digno do evangelho de Cristo, para que, ou indo ver-vos ou estando ausente, ouça, no tocante a vós outros, que estais firmes em um só espírito, como uma só alma, lutando juntos pela fé evangélica;

kwenu nangokusiza kukaMoya kaJesu Kristu,

[20] njengokulangazela nokwethemba kwami ukuthi ayikho into engizakujabhiswa kuyo, kepha ngesibindi sonke, njengasezikhathini zonke namanje, uKristu uyakwenziwa mkhulu emzimbeni wami, nokuba kungokuphila nokuba kungokufa.

[21]Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo.

[22] Kepha uma ukuphila enyameni kuyisithelo somsebenzi kimi, angisakwazi engizakukukhetha.

[23] Kepha ngiphakathi kokubili; nginesifiso sokumuka ngibe noKristu, ngokuba yikhona okuhle kakhulu;

[24]kanti-ke ukuhlala enyameni kuswelekile kakhulu ngenxa yenu.

[25] Lokhu nginalo leli themba, ngiyazi ukuthi ngiyakuhlala, yebo, ngihlale nani nonke, kube ngukuqhubeka nokuthokoza kwenu ekukholweni,

[26] ukuze ukuzibonga kwenu ngami kuvame kuKristu Jesu ngokufika kwami futhi kini.

UPawulu uyabayala ukuba bahambe ngokwevangeli

[27] Kuphela hambani ngokufanele ivangeli likaKristu, kuze kuthi, noma ngiza nginibona noma ngingekho, ngizwe izindaba zenu zokuthi nimi niqinile emoyeni munye, nangomphefumulo munye nilwela inkolo yevangeli,

[28] e que em nada estais intimidados pelos adversários. Pois o que é para eles prova evidente de perdição é, para vós outros, de salvação, e isto da parte de Deus.

[28] ningethuswa ngalutho ngabamelene nani, okuyisiboniso sokubhubha kubona kepha ngesokusindiswa kwenu; lokhu-ke kuvela kuNkulunkulu.

[29] Porque vos foi concedida a graça de padecerdes por Cristo e não somente de crerdes nele,

[29] Ngokuba ngenxa kaKristu nina nabelwa ngomusa, angisho ukukholwa kuye kuphela kepha nokuhlupheka ngenxa yakhe,

[30] pois tendes o mesmo combate que vistes em mim e, ainda agora, ouvis que é o meu.

[30] nikukho khona lokho kulwa enakubona kimina, nakalokhu nizwa ukuthi kukimina.

Filipenses 2

Exortação ao amor fraternal e à humildade

KwabaseFilipi 2

Ukulandela uKristu ekuthotshisweni kwakhe nasekuphakanyisweni kwakhe

[1] Se há, pois, alguma exortação em Cristo, alguma consolação de amor, alguma comunhão do Espírito, se há entranhados afetos e misericórdias,

[1]Ngakho-ke uma kukhona induduzo kuKristu, uma kukhona ukududuzeka kothando, uma kukhona inhlangano kaMoya, uma kukhona isisa nesihawu,

[2] completai a minha alegria, de modo que penseis a mesma coisa, tenhais o mesmo amor, sejais unidos de alma, tendo o mesmo sentimento.

[2] gcwalisani ukuthokoza kwami ukuba nibe nomqondo munye, ninothando lunye, nibe nhliziyonye, niqonde into inye;

[3] Nada façais por partidarismo ou vanglória, mas por humildade, considerando cada um os outros superiores a si mesmo.

[3]ningenzi lutho ngombango nangodumo lwezwe; kepha ngokuthobeka nishaye sengathi abanye bakhulu kunani,

[4] Não tenha cada um em vista o que é propriamente seu, senão também cada qual o que é dos outros.

[4] yilowo nalowo angabheki okwakhe, kepha yilowo abheke nokwabanye.

O exemplo de Cristo na humilhação

[5] Tende em vós o mesmo sentimento que houve também em Cristo Jesus,

[5] Mawube kini lowo mqondo owawukhona nakuKristu Jesu

[6] pois ele, subsistindo em forma de Deus, não julgou como usurpação o ser igual a Deus;

[6] owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu,

[7] antes, a si mesmo se esvaziou, assumindo a forma de servo, tornando-se em semelhança de homens; e, reconhecido em figura humana,

[7] kepha wazidela ethabatha isimo senceku, enziwe ngomfanekiso wabantu;

[8] a si mesmo se humilhou, tornando-se obediente até à morte e morte de cruz.

[8] wathi efunyenwe enjengomuntu ngesimilo, wazithobisa, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano.

[9] Pelo que também Deus o exaltou sobremaneira e lhe deu o nome que está acima de todo nome,

[9] Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke,

[10] para que ao nome de Jesus se dobre todo joelho, nos céus, na terra e debaixo da terra,

[10] ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awabasezulwini, nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba,

[11] e toda língua confesse que Jesus Cristo é SENHOR, para glória de Deus Pai.

[11] nezilimi zonke zivume ngokuthi UJESU KRISTU UYINKOSI, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise.

O desenvolvimento da salvação

Isiluleko sokuqaphelisisa ukusindiswa

[12] Assim, pois, amados meus, como sempre obedecestes, não só na minha presença, porém, muito mais agora, na minha ausência, desenvolvei a vossa salvação com temor e tremor;

[12] Ngakho-ke, bathandiweyo bami, njengalokho nilalele ngezikhathi zonke, kungesikho nxa ngikhona kuphela, kodwa ikakhulu manje nxa ngingekho, fezani ukusindiswa kwenu ngokwesaba nangokuthuthumela,

[13] porque Deus é quem efetua em vós tanto o querer como o realizar, segundo a sua boa vontade.

[13] ngokuba nguNkulunkulu osebenza kini nokuthanda nokwenza njengentando yakhe.

[14] Fazei tudo sem murmurações nem contendas,

[14] Yenzani konke ngokungakhononi nokungangabazi,

[15] para que vos torneis irrepreensíveis e sinceros, filhos de Deus inculpáveis no meio de uma geração pervertida e corrupta, na qual resplandeceis como luzeiros no mundo,

[15] ukuze nibe ngabangasolekiyo nabangenacala, abantwana bakaNkulunkulu abangenasici phakathi kwesizukulwane esiyisigwegwe nesiphambeneyo, enikhanya phakathi kwaso njengezinkanyiso ezweni,

[16] preservando a palavra da vida, para que, no Dia de Cristo, eu me glorie de que não corri em vão, nem me esforcei inutilmente.

[17] Entretanto, mesmo que seja eu oferecido por libação sobre o sacrifício e serviço da vossa fé, alegro-me e, com todos vós, me congratulo.

[18] Assim, vós também, pela mesma razão, alegrai-vos e congratulai-vos comigo.

Paulo e seus companheiros Timóteo e Epafrodito

[19] Espero, porém, no SENHOR Jesus, mandar-vos Timóteo, o mais breve possível, a fim de que eu me sinta animado também, tendo conhecimento da vossa situação.

[20] Porque a ninguém tenho de igual sentimento que, sinceramente, cuide dos vossos interesses;

[21] pois todos eles buscam o que é seu próprio, não o que é de Cristo Jesus.

[22] E conheceis o seu caráter provado, pois serviu ao evangelho, junto comigo, como filho ao pai.

[23] Este, com efeito, é quem espero enviar, tão logo tenha eu visto a minha situação.

[24] E estou persuadido no SENHOR de que também eu mesmo, brevemente, irei.

[25] Julguei, todavia, necessário mandar até vós Epafrodito, por um lado, meu irmão, cooperador e companheiro de lutas; e, por outro, vosso mensageiro e vosso auxiliar nas minhas necessidades;

[16] nibambelele ezwini lokuphila, ngize ngibe nokuzibonga ngosuku lukaKristu ngokuthi angigijimelanga ize, angisebenzelanga ize.

[17] Yebo, nokuba nginikelwa emhlatshelweni nasenkonzweni yokukholwa kwenu, ngiyathokoza, ngithokoza kanye nani nonke;

[18] ngokunjalo-ke thokozani nani, nithokoze kanye nami.

UPawulu uyakubathumela oThimothewu no-Ephafrodithu

[19]Kepha ngiyethemba eNkosini uJesu ukuthuma uThimothewu kini masinyane, ukuze nami ngename nxa sengazi izindaba zenu.

[20]Ngokuba anginamuntu onenhliziyo enjengeyakhe, onganakekela izindaba zenu ngobuqotho;

[21] ngokuba bonke bafuna okwabo, abafuni okukaJesu Kristu.

[22]Kepha niyakwazi ukuthembeka kwakhe ukuthi ukhonzile kanye nami ngenxa yevangeli njengomntwana kuyise.

[23]Yena-ke ngiyethemba ukumthuma masinyane, uma sengibonile ukuthi okuqondene nami kophelelaphi;

[24] kepha ngiyethemba eNkosini ukuthi nami ngizakuza eduzane.

[25] Kodwa ngibone ukuthi kudingekile ukuba ngithume kinina u-Ephafrodithu, umzalwane nesisebenzi nebutho kanye nami, nesithunywa senu, isikhonzi ekusweleni kwami,

[26] visto que ele tinha saudade de todos vós e estava angustiado porque ouvistes que adoeceu.

[27] Com efeito, adoeceu mortalmente; Deus, porém, se compadeceu dele e não somente dele, mas também de mim, para que eu não tivesse tristeza sobre tristeza.

[28] Por isso, tanto mais me apresso em mandá-lo, para que, vendo-o novamente, vos alegreis, e eu tenha menos tristeza.
[29] Recebei-o, pois, no SENHOR, com toda a alegria, e honrai sempre a homens como esse;
[30] visto que, por causa da obra de Cristo, chegou ele às portas da morte e se dispôs a dar a própria vida, para suprir a vossa carência de socorro para comigo.

Filipenses 3

A exortação referente à alegria cristã

[1] Quanto ao mais, irmãos meus, alegrai-vos no SENHOR. A mim, não me desgosta e é segurança para vós outros que eu escreva as mesmas coisas.

O aviso contra os falsos mestres

[2] Acautelai-vos dos cães! Acautelai-vos dos maus obreiros! Acautelai-vos da falsa circuncisão!
[3] Porque nós é que somos a circuncisão, nós que adoramos a Deus no Espírito, e nos gloriamos em Cristo Jesus, e não confiamos na carne.
[4] Bem que eu poderia confiar também na carne. Se qualquer outro pensa que pode confiar na carne, eu ainda mais:

[26]lokhu wayenilangazelela nonke, eyaluza ngokuba nizwile ukuthi wayegula.

[27]Ngokuba nempela wayegula ephansi kokufa; kepha uNkulunkulu wamhawukela, kungeyena yedwa, wangihawukela nami, ukuze ngingabi nalusizi phezu kosizi.
[28]Ngalokho ngakhuthalela kakhulu ukumthuma, ukuze kuthi nxa senimbona futhi nithokoze, kimi kunciphe usizi.
[29] Ngakho-ke mamukeleni eNkosini ngokuthokoza konke, abanjalo-ke nibaphathe ngokubatusa,
[30]ngokuba ngenxa yomsebenzi kaKristu wacishe wafa ezidela amathambo, ukuze agcwalise okusileleyo ekungikhonzeni kwenu.

KwabaseFilipi 3

UPawulu ubaxwayisa ngokulunga okungokomuntu

[1] Elokugcina, bazalwane bami, thokozani eNkosini. Ukunilobela khona lokho angikwenqeni, kepha nina kuyanigcina.

[2] Xwayani izinja, nixwaye izisebenzi ezimbi, nixwaye abokusika.

[3]Ngokuba singukusoka thina esikhonza ngoMoya kaNkulunkulu, sizibonga kuKristu Jesu, singethembi enyameni,

[4] nakuba nami bengingaba nokwethemba enyameni. Uma omunye umuntu

5 circuncidado ao oitavo dia, da linhagem de Israel, da tribo de Benjamim, hebreu de hebreus; quanto à lei, fariseu,

6 quanto ao zelo, perseguidor da igreja; quanto à justiça que há na lei, irrepreensível.

7 Mas o que, para mim, era lucro, isto considerei perda por causa de Cristo.

8 Sim, deveras considero tudo como perda, por causa da sublimidade do conhecimento de Cristo Jesus, meu SENHOR; por amor do qual perdi todas as coisas e as considero como refugo, para ganhar a Cristo

9 e ser achado nele, não tendo justiça própria, que procede de lei, senão a que é mediante a fé em Cristo, a justiça que procede de Deus, baseada na fé;

10 para o conhecer, e o poder da sua ressurreição, e a comunhão dos seus sofrimentos, conformando-me com ele na sua morte;

11 para, de algum modo, alcançar a ressurreição dentre os mortos.

A soberana vocação

12 Não que eu o tenha já recebido ou tenha já obtido a perfeição; mas prossigo para conquistar aquilo para o que também fui conquistado por Cristo Jesus.

13 Irmãos, quanto a mim, não julgo havê-lo alcançado; mas uma coisa faço:

ecabanga ukuthi unokwethemba enyameni, mina kakhulu;

5 ngasokwa ngosuku lwesishiyagalombili ngingowohlanga luka-Israyeli, owesizwe sakwaBenjamini, umHeberu wamaHeberu, ngokomthetho umFarisi;

6ngokokushisekela ngingowazingela ibandla, ngokokulunga okusemthethweni ngingongasolekiyo.

Ukulunga okukuKristu kuyinzuzo

7 Kanti-ke lokho okwakuyinzuzo kimi ngakushaya indiva ngenxa kaKristu.

8 Yebo impela, konke ngikushaya indiva ngobukhulu bokumazi uKristu Jesu iNkosi yami, engilahlekelwe yikho konke ngenxa yakhe, ngikushaya izibi, ukuze ngizuze uKristu,

9 ngifunyanwe kuyena, ngingenakho ukulunga okungokwami okuya ngomthetho kodwa lokho okuya ngokukholwa nguKristu, ngisho ukulunga okuvela kuNkulunkulu ngokukholwa,

10 ukuze ngimazi yena, namandla okuvuka kwakhe, nokuhlanganyela ezinhluphekweni zakhe, ngimfuze ngokufa kwakhe,

11uma mhlawumbe ngingaze ngifinyelele ekuvukeni kwabafileyo,

12kungesikho ukuthi sengibambile nokuthi sengiphelelisiwe, kepha ngijonga ukuba kumbe ngingakubamba yini lokho nami engabanjelwa khona nguKristu Jesu.

13Bazalwane, angisho ukuthi mina uqobo sengikubambile; kepha kunye

esquecendo-me das coisas que para trás ficam e avançando para as que diante de mim estão,
[14] prossigo para o alvo, para o prêmio da soberana vocação de Deus em Cristo Jesus.

[15] Todos, pois, que somos perfeitos, tenhamos este sentimento; e, se, porventura, pensais doutro modo, também isto Deus vos esclarecerá.
[16] Todavia, andemos de acordo com o que já alcançamos.

Os inimigos da cruz de Cristo

[17] Irmãos, sede imitadores meus e observai os que andam segundo o modelo que tendes em nós.
[18] Pois muitos andam entre nós, dos quais, repetidas vezes, eu vos dizia e, agora, vos digo, até chorando, que são inimigos da cruz de Cristo.
[19] O destino deles é a perdição, o deus deles é o ventre, e a glória deles está na sua infâmia, visto que só se preocupam com as coisas terrenas.
[20] Pois a nossa pátria está nos céus, de onde também aguardamos o Salvador, o SENHOR Jesus Cristo,
[21] o qual transformará o nosso corpo de humilhação, para ser igual ao corpo da sua glória, segundo a eficácia do poder que ele tem de até subordinar a si todas as coisas.

Filipenses 4

engikwenzayo: ngikhohlwa okungasemuva, ngizelulela kokungaphambili,
[14] ngijonge emgomeni, emklomelweni wokubizwa okukhulu kwaphezulu nguNkulunkulu kuJesu Kristu.

UPawulu ubaluleka ngokumlandela yena

[15] Ngakho-ke thina sonke esiphelele masibe nokuqonda okunjalo; kepha uma kokuthile niqonda ngokunye, nalokho uNkulunkulu uyakunambulela khona,
[16] kuphela ukuthi kwesesifinyelele kukho, sihambe ngawo lowo mkhondo.

[17] Ngilingiseni, bazalwane, nibabhekisise abahamba njengathi esiyisibonelo kini.
[18] Ngokuba abaningi, enganitshela kaningi ngabo namanje nginitshela nangezinyembezi, bahamba beyizitha zesiphambano sikaKristu,
[19] abakuphela kwabo ngukubhujiswa, abankulunkulu wabo yisisu, nodumo lwabo lusehlazweni labo, abangabanaka okomhlaba.
[20]Kepha thina singabombuso wasezulwini, lapho futhi silindela khona ukuba kuvele uMsindisi, iNkosi uJesu Kristu,
[21] oyakuguqula isimo somzimba wethu wokuthotshiswa, ufane nomzimba wakhe wenkazimulo, ngamandla angazihlelela ngawo konke phansi kwakhe.

KwabaseFilipi 4

Iziluleko zokuqina nokuzwana ekukholweni, nokuthokoza eNkosini

[1] Portanto, meus irmãos, amados e mui saudosos, minha alegria e coroa, sim, amados, permanecei, deste modo, firmes no SENHOR.

Apelo de Paulo para Evódia e Síntique. Regozijo e oração

[2] Rogo a Evódia e rogo a Síntique pensem concordemente, no SENHOR.

[3] A ti, fiel companheiro de jugo, também peço que as auxilies, pois juntas se esforçaram comigo no evangelho, também com Clemente e com os demais cooperadores meus, cujos nomes se encontram no Livro da Vida.

[4] Alegrai-vos sempre no SENHOR; outra vez digo: alegrai-vos.

[5] Seja a vossa moderação conhecida de todos os homens. Perto está o SENHOR.

[6] Não andeis ansiosos de coisa alguma; em tudo, porém, sejam conhecidas, diante de Deus, as vossas petições, pela oração e pela súplica, com ações de graças.

[7] E a paz de Deus, que excede todo o entendimento, guardará o vosso coração e a vossa mente em Cristo Jesus.

O em que pensar

[8] Finalmente, irmãos, tudo o que é verdadeiro, tudo o que é respeitável, tudo o que é justo, tudo o que é puro, tudo o que é amável, tudo o que é de boa fama, se alguma virtude há e se algum louvor existe, seja isso o que ocupe o vosso pensamento.

[1] Ngalokho, bazalwane bami abathandekayo nabalangazelelwayo, ntokozo yami nomqhele wami, yimani niqinile kanjalo eNkosini, bathandwa.

[2] Ngiyamyala u-Evodiya, ngiyamyala noSintike ukuba babe nokuqonda kunye eNkosini.

[3] Yebo, ngiyakunxusa nawe mana wami oqotho, yelekelela labo besifazane, lokhu babambisana nami evangelini, kanye noKlemente nezinye izisebenzi zami abamagama abo asencwadini yokuphila.

[4] Thokozani eNkosini njalonjalo; ngiyaphinda ngithi: Thokozani!

[5]Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke; iNkosi iseduze.

[6]Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka nokunxusa kanye nokubonga.

[7]Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu.

[8] Elokugcina, bazalwane, konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, noma kukhona okuhle, noma kukhona okubongekayo, zindlani ngalokho;

[9] O que também aprendestes, e recebestes, e ouvistes, e vistes em mim, isso praticai; e o Deus da paz será convosco.

A gratidão de Paulo para com os filipenses

[10] Alegrei-me, sobremaneira, no SENHOR porque, agora, uma vez mais, renovastes a meu favor o vosso cuidado; o qual também já tínheis antes, mas vos faltava oportunidade.

[11] Digo isto, não por causa da pobreza, porque aprendi a viver contente em toda e qualquer situação.

[12] Tanto sei estar humilhado como também ser honrado; de tudo e em todas as circunstâncias, já tenho experiência, tanto de fartura como de fome; assim de abundância como de escassez;

[13] tudo posso naquele que me fortalece.

[14] Todavia, fizestes bem, associando-vos na minha tribulação.

[15] E sabeis também vós, ó filipenses, que, no início do evangelho, quando parti da Macedônia, nenhuma igreja se associou comigo no tocante a dar e receber, senão unicamente vós outros;

[16] porque até para Tessalônica mandastes não somente uma vez, mas duas, o bastante para as minhas necessidades.

[17] Não que eu procure o donativo, mas o que realmente me interessa é o fruto que aumente o vosso crédito.

[18] Recebi tudo e tenho abundância; estou suprido, desde que Epafrodito me passou

[9] enakufunda, nakwamukela, nakuzwa, nakubona kimi, kwenzeni lokho; khona uNkulunkulu wokuthula uyakuba nani.

UPawulu ubonga isipho abasithumele kuye eRoma

[10]Kepha-ke ngathokoza kakhulu eNkosini, ngokuba manje senize navuselela ukunginakekela kwenu; beninginakekela kambe, kepha anibanga nathuba.

[11] Akusikho ukuthi ngisho maqondana nokuswela, ngokuba mina ngifundile ukuba nganeliswe noma ngihlezi kanjani.

[12]Ngiyakwazi ukuba phansi, ngiyakwazi nokubusa; kukho konke nasezintweni zonke ngifundisiwe: ukusutha, nokulamba, nokubusa, nokuswela.

[13] Nginamandla ukwenza konke ngaye ongiqinisayo.

[14] Nokho nenze kahle ngokuhlanganyela nami ekuhluphekeni kwami.

[15]Niyazi nani nina baseFilipi ukuthi ekuqaleni kwevangeli ekuphumeni kwami eMakedoniya kwakungekho bandla nelilodwa elahlanganyela nami endabeni yokupha nokwamukela, kuphela nina nodwa,

[16]ngokuba naseThesalonika nathumela kanye nakabili ngokuswela kwami.

[17]Akusikho ukuthi ngifuna isipho, kodwa ngifuna isithelo esiyakwandisa okubalelwa nina.

[18] Kepha nginakho konke ngokweqileyo; nganelisiwe sengamukelisiwe ngu-

às mãos o que me veio de vossa parte como aroma suave, como sacrifício aceitável e aprazível a Deus.

[19] E o meu Deus, segundo a sua riqueza em glória, há de suprir, em Cristo Jesus, cada uma de vossas necessidades.

[20] Ora, a nosso Deus e Pai seja a glória pelos séculos dos séculos. Amém!

Saudações e bênção

[21] Saudai cada um dos santos em Cristo Jesus. Os irmãos que se acham comigo vos saúdam.

[22] Todos os santos vos saúdam, especialmente os da casa de César.

[23] A graça do SENHOR Jesus Cristo seja com o vosso espírito.

Ephafrodithu okuvela kinina, iphunga elimnandi, umhlatshelo omuhle nothokozisayo kuNkulunkulu.

[19] UNkulunkulu wami uzakugcwalisa ukuswela konke kwenu njengokwengcebo yakhe ekukhazimuleni kuKristu Jesu.

[20] KuNkulunkulu noBaba wethu makube ludumo kuze kube phakade naphakade. Amen.

Isigcino

[21]Ngikhonzeleni kwabangcwele bonke abakuKristu Jesu. Abazalwane abanami bakhonza kinina.

[22] Abangcwele bonke bayakhonza kini, ikakhulu abendlu kaKesari.

[23]Umusa weNkosi uJesu Kristu mawube nomoya wenu.

Epístola de Paulo aos Colossenses	KwabaseKolose

Colossenses 1

Prefácio e saudação

[1] Paulo, apóstolo de Cristo Jesus, por vontade de Deus, e o irmão Timóteo,

[2] aos santos e fiéis irmãos em Cristo que se encontram em Colossos, graça e paz a vós outros, da parte de Deus, nosso Pai.

Ação de graças

[3] Damos sempre graças a Deus, Pai de nosso SENHOR Jesus Cristo, quando oramos por vós,

[4] desde que ouvimos da vossa fé em Cristo Jesus e do amor que tendes para com todos os santos;

[5] por causa da esperança que vos está preservada nos céus, da qual antes ouvistes pela palavra da verdade do evangelho,

[6] que chegou até vós; como também, em todo o mundo, está produzindo fruto e crescendo, tal acontece entre vós, desde o dia em que ouvistes e entendestes a graça de Deus na verdade;

[7] segundo fostes instruídos por Epafras, nosso amado conservo e, quanto a vós outros, fiel ministro de Cristo,

[8] o qual também nos relatou do vosso amor no Espírito.

Paulo ora pelos colossenses

KwabaseKolose 1

Isibingelelo

[1] UPawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu, noThimothewu umzalwane

[2] kubo abaseKolose, abangcwele nabazalwane abakholwayo kuKristu; makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu.

UPawulu ubonga ukukholwa nothando lwabaseKolose

[3] Simbonga njalonjalo uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, nxa sinikhulekela,

[4]lokhu sizwile ngokukholwa kwenu kuKristu Jesu nangothando eninalo kubo bonke abangcwele,

[5] ngenxa yethemba enibekelwe lona ezulwini, enezwa ngalo ngaphambili ngezwi leqiniso levangeli

[6] elifikile kini, njengalokhu likhona ezweni lonke lithela izithelo, landa, njengokuba kunjalo naphakathi kwenu, kusukela osukwini enezwa ngalo, nazi umusa kaNkulunkulu ngeqiniso,

[7] njengalokho nafunda ku-Ephafra othandekayo oyinceku kanye nathi, oyisikhonzi esithembekayo sikaKristu ngenxa yenu;

[8]okunguyena futhi wasitshela ngothando lwenu ngoMoya.

UPawulu ubakhulekela kuJesu

[9] Por esta razão, também nós, desde o dia em que o ouvimos, não cessamos de orar por vós e de pedir que transbordeis de pleno conhecimento da sua vontade, em toda a sabedoria e entendimento espiritual;

[10] a fim de viverdes de modo digno do SENHOR, para o seu inteiro agrado, frutificando em toda boa obra e crescendo no pleno conhecimento de Deus;

[11] sendo fortalecidos com todo o poder, segundo a força da sua glória, em toda a perseverança e longanimidade; com alegria,

[12] dando graças ao Pai, que vos fez idôneos à parte que vos cabe da herança dos santos na luz.

A excelência da pessoa e da obra de Cristo

[13] Ele nos libertou do império das trevas e nos transportou para o reino do Filho do seu amor,

[14] no qual temos a redenção, a remissão dos pecados.

[15] Este é a imagem do Deus invisível, o primogênito de toda a criação;

[16] pois, nele, foram criadas todas as coisas, nos céus e sobre a terra, as visíveis e as invisíveis, sejam tronos, sejam soberanias, quer principados, quer potestades. Tudo foi criado por meio dele e para ele.

[17] Ele é antes de todas as coisas. Nele, tudo subsiste.

[18] Ele é a cabeça do corpo, da igreja. Ele é o princípio, o primogênito de entre os

[9] Ngalokho nathi, kusukela osukwini esezwa ngalo, asiyeki ukunikhulekela nokuninxusela ukuba nigcwaliswe ngokwazi intando yakhe ngokuhlakanipha konke nokuqonda okungomoya,

[10] nihambe ngokufanele iNkosi, niyithokozise ngakho konke, nithela izithelo emisebenzini yonke elungileyo, nikhula ekumazini uNkulunkulu,

[11]niqiniswe nokuqiniswa konke ngokwamandla enkazimulo yakhe, kuze kube ngukubekezela konke nokubheka kade ngokujabula;

[12] nibonga uYise owanenza nifanele isabelo sefa labangcwele ekukhanyeni,

[13]owasikhulula emandleni obumnyama nowasibeka embusweni weNdodana yothando lwakhe;

[14] okukuyo sinokuhlengwa, ukuthethelelwa kwezono,

[15] yona ingumfanekiso kaNkulunkulu ongenakubonwa, izibulo lezidalwa zonke,

[16] ngokuba kwadalelwa kuyo konke okusezulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungenakubonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathimandla; konke kwadalwa ngayo, kwadalelwa yona;

[17]yona ingaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo;

[18] yona iyinhloko yomzimba, ngisho ibandla, engukuqala, izibulo kwabafileyo,

mortos, para em todas as coisas ter a primazia,

[19] porque aprouve a Deus que, nele, residisse toda a plenitude

[20] e que, havendo feito a paz pelo sangue da sua cruz, por meio dele, reconciliasse consigo mesmo todas as coisas, quer sobre a terra, quer nos céus.

[21] E a vós outros também que, outrora, éreis estranhos e inimigos no entendimento pelas vossas obras malignas,

[22] agora, porém, vos reconciliou no corpo da sua carne, mediante a sua morte, para apresentar-vos perante ele santos, inculpáveis e irrepreensíveis,

[23] se é que permaneceis na fé, alicerçados e firmes, não vos deixando afastar da esperança do evangelho que ouvistes e que foi pregado a toda criatura debaixo do céu, e do qual eu, Paulo, me tornei ministro.

A missão de Paulo. O mistério do evangelho

[24] Agora, me regozijo nos meus sofrimentos por vós; e preencho o que resta das aflições de Cristo, na minha carne, a favor do seu corpo, que é a igreja;

[25] da qual me tornei ministro de acordo com a dispensação da parte de Deus, que me foi confiada a vosso favor, para dar pleno cumprimento à palavra de Deus:

[26] o mistério que estivera oculto dos séculos e das gerações; agora, todavia, se manifestou aos seus santos;

ukuze yona ibe ngowokuqala ezintweni zonke,

[19] ngokuba kwaba kuhle kuye ukuba ukugcwala konke kuhlale kuyo

[20] nokuba ngayo abuyisane nakho konke esenzile ukuthula ngegazi lesiphambano sayo, yebo ngayo, nokuba kuyizinto ezisemhlabeni nokuba ngezisezulwini.

[21] Nani ekade ningabafokazi nezitha engqondweni ngemisebenzi emibi,

[22] nokho manje usebuyisene nani emzimbeni wenyama yayo ngokufa ukuba animise ningcwele, ningenasisihla nacala phambi kwakhe,

[23] uma kambe nihlala ekukholweni, nisekeliwe nigxilile, ningagudluzwa ethembeni levangeli enalizwayo, elashunyayelwa kukho konke okudaliweyo okuphansi kwezulu, engenziwa isikhonzi salo mina Pawulu.

UPawulu uthokozela ukubasebenzela nokubalwela

[24] Kalokhu ngiyathokoza ezinhluphekweni zami ngenxa yenu ngokugcwalisa okusileleyo osizini lukaKristu enyameni yami ngenxa yomzimba wakhe, oyibandla;

[25] engenziwa isikhonzi salo ngokwesimiso sikaNkulunkulu enganikwa sona maqondana nani ukuba ligcwaliswe izwi likaNkulunkulu,

[26] ngisho imfihlakalo ebifihlakele selokhu kwaqala izikhathi nezizukulwane, kepha

[27] aos quais Deus quis dar a conhecer qual seja a riqueza da glória deste mistério entre os gentios, isto é, Cristo em vós, a esperança da glória;

[28] o qual nós anunciamos, advertindo a todo homem e ensinando a todo homem em toda a sabedoria, a fim de que apresentemos todo homem perfeito em Cristo;

[29] para isso é que eu também me afadigo, esforçando-me o mais possível, segundo a sua eficácia que opera eficientemente em mim.

kalokhu yambuliwe kwabangcwele bakhe;

[27] okubona uNkulunkulu athanda ukubazisa ukuthi iyini ingcebo yenkazimulo yaleyo mfihlakalo phakathi kwabezizwe, enguKristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo;

[28] okunguye esimshumayelayo, siluleka wonke umuntu, sifundisa wonke umuntu ngokuhlakanipha konke, ukuze simise wonke umuntu ephelele kuKristu,

[29] engikusebenzelayo futhi, ngilwa ngokusebenza kwakhe okusebenza kimi ngamandla.

Colossenses 2

O interesse de Paulo pelos colossenses

[1] Gostaria, pois, que soubésseis quão grande luta venho mantendo por vós, pelos laodicenses e por quantos não me viram face a face;

[2] para que o coração deles seja confortado e vinculado juntamente em amor, e eles tenham toda a riqueza da forte convicção do entendimento, para compreenderem plenamente o mistério de Deus, Cristo,

[3] em quem todos os tesouros da sabedoria e do conhecimento estão ocultos.

[4] Assim digo para que ninguém vos engane com raciocínios falazes.

[5] Pois, embora ausente quanto ao corpo, contudo, em espírito, estou convosco,

KwabaseKolose 2

Isiluleko sokubambelela kuKristu

[1] Ngokuba ngiyathanda ukuba nazi ukuthi kukhulu kangakanani ukulwa enginakho ngenxa yenu nabaseLawodikeya nabo bonke abangabonanga ubuso bami ngamehlo,

[2] ukuze izinhliziyo zabo ziduduzwe, behlanganisiwe othandweni babe nengcebo yonke yokwazi okuphelele, bazisise imfihlakalo kaNkulunkulu enguKristu,

[3] okufihlwe kuye amagugu onke okuhlakanipha nowokwazi.

[4] Ngikusho lokhu, ukuze kungabikho muntu onikhohlisa ngamazwi okuyenga.

[5] Ngokuba noma ngingekho ngomzimba, nokho ngikhona kini ngomoya

alegrando-me e verificando a vossa boa ordem e a firmeza da vossa fé em Cristo.

ngithokoza, ngibona inhlelo yenu nokuqina kokukholwa kwenu kuKristu.

O desejo de Paulo pelo progresso espiritual dos colossenses

6 Ora, como recebestes Cristo Jesus, o SENHOR, assim andai nele,

6 Ngakho-ke njengalokho nimamukele uKristu Jesu iNkosi, hambani nikuye,

7 nele radicados, e edificados, e confirmados na fé, tal como fostes instruídos, crescendo em ações de graças.

7 nigxilile, nakhiwe kuye, niqinisiwe ekukholweni, njengalokho nifundisiwe, nivame ukubonga.

A advertência contra falsos ensinos. A divindade de Cristo e a sua obra redentora

8 Cuidado que ninguém vos venha a enredar com sua filosofia e vãs sutilezas, conforme a tradição dos homens, conforme os rudimentos do mundo e não segundo Cristo;

8 Xwayani funa kube khona onithumbayo ngokuhlakanipha nangenkohliso eyize njengokwemvelo yabantu, njengezifundiso zokucathula kwezwe, kungenjengokukaKristu.

KuKristu kukhona konke ukuphelela kukaNkulunkulu

9 porquanto, nele, habita, corporalmente, toda a plenitude da Divindade.

9 Ngokuba kuhlala kuye ngokomzimba ukugcwala konke kobuNkulunkulu;

10 Também, nele, estais aperfeiçoados. Ele é o cabeça de todo principado e potestade.

10 nigcwalisiwe kuye, yena oyinhloko yemibuso yonke namandla,

11 Nele, também fostes circuncidados, não por intermédio de mãos, mas no despojamento do corpo da carne, que é a circuncisão de Cristo,

11 enasokela kuye futhi ngokusoka okungenziwanga ngezandla ngokukhumula umzimba wenyama, ngokusoka kukaKristu;

12 tendo sido sepultados, juntamente com ele, no batismo, no qual igualmente fostes ressuscitados mediante a fé no poder de Deus que o ressuscitou dentre os mortos.

12nimbelwe kanye naye ngombhapathizo, okungawo futhi navuswa kanye naye ngokukholwa ngamandla kaNkulunkulu owamvusa kwabafileyo.

13 E a vós outros, que estáveis mortos pelas vossas transgressões e pela incircuncisão da vossa carne, vos deu vida juntamente com ele, perdoando todos os nossos delitos;

13 Nani-ke ebenifile ngeziphambeko nangokungasoki kwenyama yenu wanenza nibe ngabaphilayo kanye naye esithethelela zonke izono zethu;

14 tendo cancelado o escrito de dívida, que era contra nós e que constava de

14 esehlangule incwadi yecala lethu, emelana nathi ngemiyalo yayo,

ordenanças, o qual nos era prejudicial, removeu-o inteiramente, encravando-o na cruz;

[15] e, despojando os principados e as potestades, publicamente os expôs ao desprezo, triunfando deles na cruz.

O cerimonialismo, sombra de coisas futuras

[16] Ninguém, pois, vos julgue por causa de comida e bebida, ou dia de festa, ou lua nova, ou sábados,

[17] porque tudo isso tem sido sombra das coisas que haviam de vir; porém o corpo é de Cristo.

[18] Ninguém se faça árbitro contra vós outros, pretextando humildade e culto dos anjos, baseando-se em visões, enfatuado, sem motivo algum, na sua mente carnal,

[19] e não retendo a cabeça, da qual todo o corpo, suprido e bem vinculado por suas juntas e ligamentos, cresce o crescimento que procede de Deus.

A obediência a tais práticas não vence o pecado

[20] Se morrestes com Cristo para os rudimentos do mundo, por que, como se vivêsseis no mundo, vos sujeitais a ordenanças:

[21] não manuseies isto, não proves aquilo, não toques aquiloutro,

[22] segundo os preceitos e doutrinas dos homens? Pois que todas estas coisas, com o uso, se destroem.

[23] Tais coisas, com efeito, têm aparência de sabedoria, como culto de si mesmo, e de falsa humildade, e de rigor ascético;

wayeyisusa ngokuyibethela esiphambanweni;

[15] ebaphucile ababusi nabanamandla izikhali wabathela ngehlazo obala, ebanqoba ngaso.

Ukuxwayisa ngezifundiso zamanga

[16] Ngakho makungabikho muntu onilahla ngokudla nesiphuzo, noma ngemikhosi, noma ukwethwasa kwenyanga, noma amasabatha,

[17]okuyisithunzi nje salokhu obekuzakuza; kepha umzimba ngokaKristu.

[18]Makungabikho muntu onamuka umvuzo wenu, othanda ukuzenza othobile ekhonza izingelosi, ephike ngemibono yakhe, ezikhukhumeza ngeze ngengqondo yakhe yenyama,

[19] engabambeleli kuye oyinhloko, okungaye umzimba wonke usizwa, uhlanganiswa ngamalungu nemisipha, ukhula ngokukhula kukaNkulunkulu.

[20] Uma nifile kanye noKristu nakhululwa ezifundisweni zokucathula kwezwe, yini ukuba okungathi nisaphila ngokwezwe nithobele izifundiso zokuthi:

[21] Ungaphathi, ungezwa ngolimi, ungathinti,

[22]okuphela konke ngokudliwa ngokweziyalezo nezifundiso zabantu

[23]ezinegama lokuhlakanipha kambe ngokuzikhethela inkonzo, nangokuzithoba, nangokuhlupha

todavia, não têm valor algum contra a sensualidade.

Colossenses 3

A união com Cristo glorificado

1 Portanto, se fostes ressuscitados juntamente com Cristo, buscai as coisas lá do alto, onde Cristo vive, assentado à direita de Deus.

2 Pensai nas coisas lá do alto, não nas que são aqui da terra;

3 porque morrestes, e a vossa vida está oculta juntamente com Cristo, em Deus.

4 Quando Cristo, que é a nossa vida, se manifestar, então, vós também sereis manifestados com ele, em glória.

Os resultados dessa união. Os vícios devem ser abandonados

5 Fazei, pois, morrer a vossa natureza terrena: prostituição, impureza, paixão lasciva, desejo maligno e a avareza, que é idolatria;

6 por estas coisas é que vem a ira de Deus [sobre os filhos da desobediência].

7 Ora, nessas mesmas coisas andastes vós também, noutro tempo, quando vivíeis nelas.

8 Agora, porém, despojai-vos, igualmente, de tudo isto: ira, indignação, maldade, maledicência, linguagem obscena do vosso falar.

9 Não mintais uns aos outros, uma vez que vos despistes do velho homem com os seus feitos

umzimba; akusizi lutho maqondana nokuzithiba kwenyama.

KwabaseKolose 3

Ukunaka okwaphezulu

1 Ngakho uma navuswa kanye noKristu, funani okwaphezulu, lapho ekhona uKristu, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu;

2 nakani okwaphezulu, ninganaki okusemhlabeni.

3 Ngokuba nafa, ukuphila kwenu kufihliwe noKristu kuNkulunkulu;

4 nxa ebonakaliswa uKristu ongukuphila kwethu, khona-ke nani niyakubonakaliswa kanye naye ekukhazimuleni.

5 Ngakho-ke bulalani amalungu enu asemhlabeni, ubufebe, nokungcola, nokuhuheka, nokukhanuka, nesangabe, okungukukhonza izithombe,

6 okuza ngakho ulaka lukaNkulunkulu,

7 ekade nihamba kukho nani, lapho nisahlezi kukho;

8 kepha kalokhu nani manilahle konke lokho, ulaka, nokuthukuthela, nobubi, nokuhlambalaza, nokukhuluma amahlazo aphuma emlonyeni wenu;

9 ningaqambelani amanga, lokhu nikhumule umuntu omdala kanye nezenzo zakhe,

[10] e vos revestistes do novo homem que se refaz para o pleno conhecimento, segundo a imagem daquele que o criou;

[11] no qual não pode haver grego nem judeu, circuncisão nem incircuncisão, bárbaro, cita, escravo, livre; porém Cristo é tudo em todos.

As virtudes devem ser cultivadas

[12] Revesti-vos, pois, como eleitos de Deus, santos e amados, de ternos afetos de misericórdia, de bondade, de humildade, de mansidão, de longanimidade.

[13] Suportai-vos uns aos outros, perdoai-vos mutuamente, caso alguém tenha motivo de queixa contra outrem. Assim como o SENHOR vos perdoou, assim também perdoai vós;

[14] acima de tudo isto, porém, esteja o amor, que é o vínculo da perfeição.

[15] Seja a paz de Cristo o árbitro em vosso coração, à qual, também, fostes chamados em um só corpo; e sede agradecidos.

[16] Habite, ricamente, em vós a palavra de Cristo; instruí-vos e aconselhai-vos mutuamente em toda a sabedoria, louvando a Deus, com salmos, e hinos, e cânticos espirituais, com gratidão, em vosso coração.

[17] E tudo o que fizerdes, seja em palavra, seja em ação, fazei-o em nome do

[10]nembethe omusha, owenziwa musha abe nokwazi ngokomfanekiso walowo owamdalayo,

[11] lapho kungekho mGreki namJuda, ukusoka nokungasoki, owezizwe noma umSkithe, isigqila noma okhululekileyo, kepha uKristu uyikho konke, ukubo bonke.

[12] Ngakho-ke njengabakhethiweyo bakaNkulunkulu, abangcwele nabathandekayo, yembathani ububele benhliziyo, nesisa, nokuzithoba, nobumnene, nokubheka kade,

[13] nibekezelelane, nithethelelane, uma umuntu enensolo komunye; njengokuba neNkosi yanithethelela, yenzani njalo nani.

[14] Kepha phezu kwakho konke lokho yembathani uthando oluyisibopho sokuphelela.

[15] Ukuthula kukaKristu makubuse ezinhliziyweni zenu, enabizelwa futhi kukho emzimbeni munye; futhi yibani ngababongayo.

[16] Izwi likaKristu alihlale phakathi kwenu, livame, nifundisane ngokuhlakanipha konke, niyalane ngamahubo, nangezihlabelelo, nangamaculo okomoya, nimhubele uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu ngokubonga.

[17] Konke enikwenzayo, noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni konke

SENHOR Jesus, dando por ele graças a Deus Pai.

Os deveres da família

[18] Esposas, sede submissas ao próprio marido, como convém no SENHOR.

[19] Maridos, amai vossa esposa e não a trateis com amargura.

[20] Filhos, em tudo obedecei a vossos pais; pois fazê-lo é grato diante do SENHOR.

[21] Pais, não irriteis os vossos filhos, para que não fiquem desanimados.

[22] Servos, obedecei em tudo ao vosso senhor segundo a carne, não servindo apenas sob vigilância, visando tão-somente agradar homens, mas em singeleza de coração, temendo ao SENHOR.

[23] Tudo quanto fizerdes, fazei-o de todo o coração, como para o SENHOR e não para homens,

[24] cientes de que recebereis do SENHOR a recompensa da herança. A Cristo, o SENHOR, é que estais servindo;

[25] pois aquele que faz injustiça receberá em troco a injustiça feita; e nisto não há acepção de pessoas.

Colossenses 4

[1] Senhores, tratai os servos com justiça e com eqüidade, certos de que também vós tendes SENHOR no céu.

A oração e a prudência

[2] Perseverai na oração, vigiando com ações de graças.

egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu uYise ngaye.

Ukuphathana kwabomuzi

[18] Bafazi, thobelani amadoda enu njengokufanele eNkosini.

[19] Madoda, thandani omkenu, ningabacasukeli.

[20] Bantwana, lalelani abazali benu ezintweni zonke, ngokuba lokho kuyathandeka eNkosini.

[21] Boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu ukuba bangadangali.

[22] Zinceku, lalelani ezintweni zonke labo abangamakhosi enu ngokwenyama, kungengokuthenga amehlo njengabathokozisa abantu kodwa ngobuqotho benhliziyo, niyesabe iNkosi.

[23]Konke enikwenzayo kwenzeni ngenhliziyo, kungathi kwenzelwa iNkosi, qha abantu,

[24]nazi ukuthi niyakwamukela umvuzo wefa eNkosini. Khonzani iNkosi uKristu.

[25] Ngokuba lowo owenza ukungalungi uyakwamukeliswa ukungalungi akwenzileyo; akukho ukukhetha umuntu.

KwabaseKolose 4

Ukuqinisela ekukhulekeni

[1] Makhosi, zenzeleni izinceku zenu okulungileyo nokufaneleyo; nazi ukuthi nani nineNkosi ezulwini.

[2] Qiniselani ekukhulekeni, nilinde kukho ninokubonga.

3 Suplicai, ao mesmo tempo, também por nós, para que Deus nos abra porta à palavra, a fim de falarmos do mistério de Cristo, pelo qual também estou algemado;
4 para que eu o manifeste, como devo fazer.
5 Portai-vos com sabedoria para com os que são de fora; aproveitai as oportunidades.

6 A vossa palavra seja sempre agradável, temperada com sal, para saberdes como deveis responder a cada um.

Tíquico e Onésimo

7 Quanto à minha situação, Tíquico, irmão amado, e fiel ministro, e conservo no SENHOR, de tudo vos informará.

8 Eu vo-lo envio com o expresso propósito de vos dar conhecimento da nossa situação e de alentar o vosso coração.
9 Em sua companhia, vos envio Onésimo, o fiel e amado irmão, que é do vosso meio. Eles vos farão saber tudo o que por aqui ocorre.

As saudações finais

10 Saúda-vos Aristarco, prisioneiro comigo, e Marcos, primo de Barnabé (sobre quem recebestes instruções; se ele for ter convosco, acolhei-o),
11 e Jesus, conhecido por Justo, os quais são os únicos da circuncisão que cooperam pessoalmente comigo pelo reino de Deus. Eles têm sido o meu lenitivo.

3 Nathi nisikhulekele, ukuze uNkulunkulu asivulele umnyango wezwi ukuba sikhulume imfihlakalo kaKristu engiboshwe ngenxa yayo,
4ukuze ngiyibonakalise njengalokhu ngifanele ukukhuluma.

5 Hambani ngokuhlakanipha kubo abangaphandle, nithengisise isikhathi.

6Ukukhuluma kwenu makube nomusa njalo, kuyolisiwe ngosawoti, ukuze nazi enifanele ukubaphendula ngakho bonke abantu.

OThikhiku no-Onesimu

7 Konke okuqondene nami uyakunazisa khona uThikhiku, umzalwane othandekayo nesikhonzi esikholekileyo oyinceku kanye nami eNkosini,
8engimthumile kini ngakho lokhu ukuba nazi ukuthi sihlezi kanjani, aduduze izinhliziyo zenu,

9 kanye no-Onesimu, umzalwane okholekileyo nothandekayo, ongomunye wakini; bazakunazisa konke okwalapha.

Isigcino

10 Uyakhonza kini u-Aristarku oyisiboshwa kanye nami, noMarku umzala kaBarnaba, enayalezwa ngaye -- uma efika kini mamukeleni --

11noJesu othiwa uJustu; yibo bodwa abangabokusoka abasebenzela umbuso kaNkulunkulu kanye nami, abakade beyinduduzo kimi.

[12] Saúda-vos Epafras, que é dentre vós, servo de Cristo Jesus, o qual se esforça sobremaneira, continuamente, por vós nas orações, para que vos conserveis perfeitos e plenamente convictos em toda a vontade de Deus.

[12]Uyakhonza kini u-Ephafra ongomunye wakini, inceku kaKristu Jesu, enilwela njalo emikhulekweni, ukuze nime niphelele niqinisekile entandweni yonke kaNkulunkulu.

[13] E dele dou testemunho de que muito se preocupa por vós, pelos de Laodicéia e pelos de Hierápolis.

[13]Ngokuba ngingufakazi wakhe wokuthi uyanisebenzela kakhulu nina, nabaseLawodikeya, nabaseHiyerapholi.

[14] Saúda-vos Lucas, o médico amado, e também Demas.

[14]Uyakhonza kini uLuka inyanga ethandekayo, noDema.

[15] Saudai os irmãos de Laodicéia, e Ninfa, e à igreja que ela hospeda em sua casa.

[15]Khonzani kubazalwane abaseLawodikeya, nakuNimfa, nasebandleni lakwakhe.

[16] E, uma vez lida esta epístola perante vós, providenciai por que seja também lida na igreja dos laodicenses; e a dos de Laodicéia, lede-a igualmente perante vós.

[16] Nxa le ncwadi isifundiwe kini, bhekani ukuba ifundwe nasebandleni labaseLawodikeya; nani niyifunde leyo evela eLawodikeya.

[17] Também dizei a Arquipo: atenta para o ministério que recebeste no SENHOR, para o cumprires.

[17] Nimtshele u-Arkiphu, nithi: Qaphela inkonzo oyitholile eNkosini, ukuze uyifeze.

Saudação pessoal. A bênção

[18] A saudação é de próprio punho: Paulo. Lembrai-vos das minhas algemas. A graça seja convosco.

[18] Yilokhu ukukhonza kwami ngesandla sami, mina Pawulu. Khumbulani izibopho zami. Umusa mawube nani.

Primeira epístola de Paulo aos Tessalonicenses

1 Tessalonicenses 1

Prefácio e saudação

[1] Paulo, Silvano e Timóteo, à igreja dos tessalonicenses em Deus Pai e no SENHOR Jesus Cristo, graça e paz a vós outros.

Ação de graças

[2] Damos, sempre, graças a Deus por todos vós, mencionando-vos em nossas orações e, sem cessar,
[3] recordando-nos, diante do nosso Deus e Pai, da operosidade da vossa fé, da abnegação do vosso amor e da firmeza da vossa esperança em nosso SENHOR Jesus Cristo,
[4] reconhecendo, irmãos, amados de Deus, a vossa eleição,
[5] porque o nosso evangelho não chegou até vós tão-somente em palavra, mas, sobretudo, em poder, no Espírito Santo e em plena convicção, assim como sabeis ter sido o nosso procedimento entre vós e por amor de vós.
[6] Com efeito, vos tornastes imitadores nossos e do SENHOR, tendo recebido a palavra, posto que em meio de muita tribulação, com alegria do Espírito Santo,
[7] de sorte que vos tornastes o modelo para todos os crentes na Macedônia e na Acaia.
[8] Porque de vós repercutiu a palavra do SENHOR não só na Macedônia e Acaia,

1 kwabaseThesalonika

1 kwabaseThesalonika 1

Isibingelelo

[1] OPawulu, noSilvanu, noThimothewu kulo ibandla labaseTheselonika elikuNkulunkulu uBaba, naseNkosini uJesu Kristu: Makube kini umusa nokuthula.

UPawulu ubonga ukuqala kwabo okuhle ekukholweni; wethemba ukukhethwa kwabo ngevangeli eliqinisileyo abalamukele

[2] Sibonga uNkulunkulu njalo ngani nonke, siniphatha emikhulekweni yethu,
[3] sikhumbula ngokungayeki isenzo senu sokukholwa, nomsebenzi wothando, nokukhuthazela kwethemba lenu eliseNkosini yethu uJesu Kristu phambi kukaNkulunkulu noBaba wethu,
[4] sikwazi, bazalwane abathandiwe nguNkulunkulu, ukukhethwa kwenu
[5] ukuthi ivangeli lethu alizanga kini ngezwi kuphela kodwa nangamandla, nangoMoya oNgcwele, nangokwethemba okukhulu, njengokuba nazi ukuthi saba ngabantu abanjani phakathi kwenu ngenxa yenu.
[6] Nani naba ngabalingisi bethu, nabeNkosi senilamukele izwi ekukhathazekeni okukhulu ngokuthokoza kukaMoya oNgcwele,
[7] naze naba yisibonelo kubo bonke abakholwayo eMakedoniya nase-Akhaya.
[8] Ngokuba udumo lwezwi leNkosi lwaphuma kinina, lwafika, angisho

mas também por toda parte se divulgou a vossa fé para com Deus, a tal ponto de não termos necessidade de acrescentar coisa alguma;

[9] pois eles mesmos, no tocante a nós, proclamam que repercussão teve o nosso ingresso no vosso meio, e como, deixando os ídolos, vos convertestes a Deus, para servirdes o Deus vivo e verdadeiro

[10] e para aguardardes dos céus o seu Filho, a quem ele ressuscitou dentre os mortos, Jesus, que nos livra da ira vindoura.

1 Tessalonicenses 2

O proceder do apóstolo Paulo e seus cooperadores na evangelização de Tessalônica

[1] Porque vós, irmãos, sabeis, pessoalmente, que a nossa estada entre vós não se tornou infrutífera;

[2] mas, apesar de maltratados e ultrajados em Filipos, como é do vosso conhecimento, tivemos ousada confiança em nosso Deus, para vos anunciar o evangelho de Deus, em meio a muita luta.

[3] Pois a nossa exortação não procede de engano, nem de impureza, nem se baseia em dolo;

[4] pelo contrário, visto que fomos aprovados por Deus, a ponto de nos confiar ele o evangelho, assim falamos, não para que agrademos a homens, e sim a Deus, que prova o nosso coração.

[5] A verdade é que nunca usamos de linguagem de bajulação, como sabeis, nem

eMakedoniya nase-Akhaya kuphela, kepha ezindaweni zonke lapho ukukholwa kwenu nguNkulunkulu kuphumele khona; ngakho asisadingi ukukhuluma lutho.

[9] Ngokuba bona uqobo balanda ngathi ukuthi kwaba njani ukungena kwethu kinina nokuthi naphendukela kanjani kuNkulunkulu, nishiya izithombe, ukuba nikhonze uNkulunkulu ophilayo oweqiniso,

[10]nilindele iNdodana yakhe ivela ezulwini, ayivusa kwabafileyo, uJesu osihlangulisa olakeni oluzayo.

1 kwabaseThesalonika 2

UPawulu ubakhumbuza ngokuhamba kwakhe okuhle phakathi kwabo

[1] Ngokuba niyazi nina bazalwane ukuthi ukungena kwethu kinina akubanga yize.

[2] Kepha noma sasihlushiwe kuqala saphathwa kabi eFilipi, njengokuba nazi, saba nesibindi kuNkulunkulu wethu sokunishumayeza ivangeli likaNkulunkulu ngokulwa okukhulu.

[3]Ngokuba ukuyala kwethu akusikho okokuduka nokokungcola nangenkohliso,

[4] kepha njengokuba sivunyiwe nguNkulunkulu ukuba siphathiswe ivangeli, siyakhuluma ngokunjalo, singenzeli ukuthokozisa abantu kepha uNkulunkulu ovivinya izinhliziyo zethu.

[5] Ngokuba asizange sibe namazwi okuthopha, njengokuba nazi; asizange

de intuitos gananciosos. Deus disto é testemunha.

[6] Também jamais andamos buscando glória de homens, nem de vós, nem de outros.

[7] Embora pudéssemos, como enviados de Cristo, exigir de vós a nossa manutenção, todavia, nos tornamos carinhosos entre vós, qual ama que acaricia os próprios filhos;

[8] assim, querendo-vos muito, estávamos prontos a oferecer-vos não somente o evangelho de Deus, mas, igualmente, a própria vida; por isso que vos tornastes muito amados de nós.

[9] Porque, vos recordais, irmãos, do nosso labor e fadiga; e de como, noite e dia labutando para não vivermos à custa de nenhum de vós, vos proclamamos o evangelho de Deus.

[10] Vós e Deus sois testemunhas do modo por que piedosa, justa e irrepreensivelmente procedemos em relação a vós outros, que credes.

[11] E sabeis, ainda, de que maneira, como pai a seus filhos, a cada um de vós,

[12] exortamos, consolamos e admoestamos, para viverdes por modo digno de Deus, que vos chama para o seu reino e glória.

O proceder fiel dos tessalonicenses nas tribulações

[13] Outra razão ainda temos nós para, incessantemente, dar graças a Deus: é que, tendo vós recebido a palavra que de nós

futhi sibe nobuqili bokufisa, uNkulunkulu ungufakazi,

[6] singafunanga nokutuswa ngabantu, nakinina nakwabanye,

[7] ingani sasingaba namandla okunisinda njengabaphostoli bakaKristu, nokho saba mnene phakathi kwenu njengokuba umdlezane ondla abantwana bakhe.

[8] Ngokunjalo lokhu besinilangazelele, sasifuna ukuninika kungesilo ivangeli likaNkulunkulu kuphela, kepha nokuphila kwethu uqobo, ngokuba nase ningabathandekayo kithina.

[9] Ngokuba niyakhumbula, bazalwane, ukukhandleka nokushikashikeka kwethu; sisebenza ubusuku nemini, ukuze singasindi noyedwa kinina, sanishumayeza ivangeli likaNkulunkulu.

[10]Nina ningofakazi, naye uNkulunkulu, bokuthi sahlala kanjani phakathi kwenu nina enikholwayo ngobungcwele, nangokulunga, nangokungasoleki,

[11] njengokuba nazi ukuthi saniphatha abanye ngabanye njengoyise ephatha abantwana bakhe,

[12] siniyala, sinimisa isibindi, sifakazela ukuba nihambe ngokufaneleyo phambi kukaNkulunkulu onibizela embusweni nasebukhosini bakhe.

UPawulu ulanda ngezinhlupheko zabo zokuzingelwa ngenxa yokukholwa

[13] Ngalokho nathi sibonga uNkulunkulu singaphezi, ngokuba, kuthe lapho namukela izwi likaNkulunkulu enalizwa

ouvistes, que é de Deus, acolhestes não como palavra de homens, e sim como, em verdade é, a palavra de Deus, a qual, com efeito, está operando eficazmente em vós, os que credes.

ngathi, anilamukelanga njengezwi labantu kepha njengezwi likaNkulunkulu, njengokuba liyilo isibili, elona lisebenza futhi phakathi kwenu nina enikholwayo.

14 Tanto é assim, irmãos, que vos tornastes imitadores das igrejas de Deus existentes na Judéia em Cristo Jesus; porque também padecestes, da parte dos vossos patrícios, as mesmas coisas que eles, por sua vez, sofreram dos judeus,

14Ngokuba nina bazalwane naba ngabalingisi bamabandla kaNkulunkulu aseJudiya akuKristu Jesu, ngokuba nani nahlushwa ngabesizwe sakini, njengalokho nawo ahlushwa ngabaJuda

15 os quais não somente mataram o SENHOR Jesus e os profetas, como também nos perseguiram, e não agradam a Deus, e são adversários de todos os homens,

15 ababulala neNkosi uJesu nabaprofethi, basixosha nathi, bengamthokozisi uNkulunkulu, bemelana nabantu bonke,

16 a ponto de nos impedirem de falar aos gentios para que estes sejam salvos, a fim de irem enchendo sempre a medida de seus pecados. A ira, porém, sobreveio contra eles, definitivamente.

16 besivimbela ukukhuluma nabezizwe ukuba basindiswe, ukuze bagcwalise njalo izono zabo; kepha ulaka selufinyelele phezu kwabo ngokupheleleyo.

O interesse de Paulo pelos tessalonicenses

Uthando lukaPawulu aluguqukile

17 Ora, nós, irmãos, orfanados, por breve tempo, de vossa presença, não, porém, do coração, com tanto mais empenho diligenciamos, com grande desejo, ir ver-vos pessoalmente.

17 Kepha thina, bazalwane, lokhu besahlukanisiwe nani isikhashana ngobuso kungenganhliziyo, kwaba yikhona sikhuthalela kakhulu ukubona ubuso benu ngokunxanela okukhulu.

18 Por isso, quisemos ir até vós (pelo menos eu, Paulo, não somente uma vez, mas duas); contudo, Satanás nos barrou o caminho.

18Ngakho besithanda ukuza kinina, mina Pawulu ngokwami kanye nakabili, kepha uSathane wasivimbela.

19 Pois quem é a nossa esperança, ou alegria, ou coroa em que exultamos, na presença de nosso SENHOR Jesus em sua vinda? Não sois vós?

19 Ngokuba liyini ithemba lethu, nokuthokoza, nomqhele wokuzibonga phambi kweNkosi yethu uJesu Kristu ekufikeni kwakhe, kungeyinina na?

[20] Sim, vós sois realmente a nossa glória e a nossa alegria!

1 Tessalonicenses 3

Paulo envia-lhes Timóteo. As boas notícias trazidas por este ao apóstolo

[1] Pelo que, não podendo suportar mais o cuidado por vós, pareceu-nos bem ficar sozinhos em Atenas;

[2] e enviamos nosso irmão Timóteo, ministro de Deus no evangelho de Cristo, para, em benefício da vossa fé, confirmar-vos e exortar-vos,

[3] a fim de que ninguém se inquiete com estas tribulações. Porque vós mesmos sabeis que estamos designados para isto;

[4] pois, quando ainda estávamos convosco, predissemos que íamos ser afligidos, o que, de fato, aconteceu e é do vosso conhecimento.

[5] Foi por isso que, já não me sendo possível continuar esperando, mandei indagar o estado da vossa fé, temendo que o Tentador vos provasse, e se tornasse inútil o nosso labor.

[6] Agora, porém, com o regresso de Timóteo, vindo do vosso meio, trazendo-nos boas notícias da vossa fé e do vosso amor, e, ainda, de que sempre guardais grata lembrança de nós, desejando muito ver-nos, como, aliás, também nós a vós outros,

[7] sim, irmãos, por isso, fomos consolados acerca de vós, pela vossa fé, apesar de todas as nossas privações e tribulação,

[20]Ngokuba nina niludumo lwethu nokuthokoza kwethu.

1 kwabaseThesalonika 3

Ngothando lwakhe olukhulu uPawulu wabathumela uThimothewu

[1] Ngalokho kwathi singasenakubekezela, sathi kuhle ukuba sisale sodwa e-Athene,

[2]sathuma uThimothewu umzalwane wethu, isikhonzi sikaNkulunkulu evangelini likaKristu, ukuba aniqinise, anivuse maqondana nokukholwa kwenu

[3] ukuba kunganyakaziswa muntu ngalezo zinhlupheko; ngokuba niyazi nina ukuthi simiselwe lokho.

[4] Ngokuba kuthe sisekhona kini, sanitshela ngaphambili ukuthi siyakuhlushwa, njengokuba kwaba njalo, nani nikwazi.

[5] Ngalokho nami, lapho ngingasenakubekezela, ngathumela ukuba ngiqonde ukukholwa kwenu, ingabe mhlawumbe umlingi unilingile yini, ukukhandleka kwethu kube yize.

Esebuyile uThimothewu, uPawulu uyathokoza; uyabakhulekela

[6] Kepha kalokhu uThimothewu esefikile kithi evela kini, esibikela izindaba ezinhle zokukholwa nothando lwenu, nokuthi nisikhumbula kahle njalo, nokuthi nilangazelela ukusibona, njengokuba nathi silangazelela ukubona nina,

[7]ngalokho, bazalwane, saduduzeka ngani ngokukholwa kwenu ekusweleni nasosizini lwethu lonke,

[8] porque, agora, vivemos, se é que estais firmados no SENHOR.

[9] Pois que ações de graças podemos tributar a Deus no tocante a vós outros, por toda a alegria com que nos regozijamos por vossa causa, diante do nosso Deus,

[10] orando noite e dia, com máximo empenho, para vos ver pessoalmente e reparar as deficiências da vossa fé?

Oração de Paulo pelos tessalonicenses

[11] Ora, o nosso mesmo Deus e Pai, e Jesus, nosso SENHOR, dirijam-nos o caminho até vós,

[12] e o SENHOR vos faça crescer e aumentar no amor uns para com os outros e para com todos, como também nós para convosco,

[13] a fim de que seja o vosso coração confirmado em santidade, isento de culpa, na presença de nosso Deus e Pai, na vinda de nosso SENHOR Jesus, com todos os seus santos.

1 Tessalonicenses 4

Exortação à prática da santidade

[1] Finalmente, irmãos, nós vos rogamos e exortamos no SENHOR Jesus que, como de nós recebestes, quanto à maneira por que deveis viver e agradar a Deus, e efetivamente estais fazendo, continueis progredindo cada vez mais;

[2] porque estais inteirados de quantas instruções vos demos da parte do SENHOR Jesus.

[8]ngokuba kalokhu siyaphila, uma nina nimi niqinile eNkosini.

[9]Ngokuba ngukubonga okunjani esingakubuyisela kuNkulunkulu ngani ngokuthokoza konke esithokoza ngakho ngenxa yenu phambi kukaNkulunkulu wethu na?

[10] Ubusuku nemini sinxusa nokunxusa ukuba sibone ubuso benu, siphelelise okusileleyo ekukholweni kwenu.

[11]Sengathi uNkulunkulu noBaba wethu uqobo neNkosi yethu uJesu angayiqondisa indlela yethu yokuza kini,

[12] iNkosi ininike ukwanda nokuchichima othandweni, omunye komunye nakubo bonke, njengokuba sinjalo kinina,

[13] ukuze iqinise izinhliziyo zenu, zingabi nakusoleka ebungcweleni phambi kukaNkulunkulu noBaba wethu ekufikeni kweNkosi yethu uJesu kanye nabangcwele bakhe bonke.

1 kwabaseThesalonika 4

UPawulu ubayala ukuba bangcweliswe, bayeke ubufebe, bathandanise okwabazalwane

[1] Elokugcina-ke, bazalwane, siyaninxusa, siyaniyala ngeNkosi uJesu ukuba njengalokho nakwamukela kithi ukuthi nifanele ukuhamba nokumthokozisa kanjani uNkulunkulu, njengalokho nihamba kanjalo, manivame kakhulu kulokho.

[2]Ngokuba niyayazi imiyalo esaninika yona ngayo iNkosi uJesu.

[3] Pois esta é a vontade de Deus: a vossa santificação, que vos abstenhais da prostituição;

[4] que cada um de vós saiba possuir o próprio corpo em santificação e honra,

[5] não com o desejo de lascívia, como os gentios que não conhecem a Deus;

[6] e que, nesta matéria, ninguém ofenda nem defraude a seu irmão; porque o SENHOR, contra todas estas coisas, como antes vos avisamos e testificamos claramente, é o vingador,

[7] porquanto Deus não nos chamou para a impureza, e sim para a santificação.

[8] Dessarte, quem rejeita estas coisas não rejeita o homem, e sim a Deus, que também vos dá o seu Espírito Santo.

Exortação à prática do amor fraternal

[9] No tocante ao amor fraternal, não há necessidade de que eu vos escreva, porquanto vós mesmos estais por Deus instruídos que deveis amar-vos uns aos outros;

[10] e, na verdade, estais praticando isso mesmo para com todos os irmãos em toda a Macedônia. Contudo, vos exortamos, irmãos, a progredirdes cada vez mais

[11] e a diligenciardes por viver tranqüilamente, cuidar do que é vosso e trabalhar com as próprias mãos, como vos ordenamos;

[12] de modo que vos porteis com dignidade para com os de fora e de nada venhais a precisar.

[3] Ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu, ukungcweliswa kwenu, ukuba nidede ebufebeni

[4] ukuba yilowo nalowo kini akwazi ukuhlala nomkakhe ngobungcwele nangokuhlonipha,

[5] kungabi ngokushisa kwenkanuko njengabezizwe abangamazi uNkulunkulu

[6]ukuba kungabikho noyedwa omonayo, aphambe umfowabo ngento, ngokuba iNkosi ingumphindiseli kukho konke lokho, njengokuba sanitshela phambili, saqinisa.

[7] Ngokuba uNkulunkulu kasibizelanga amanyala, kepha wasibizela ebungcweleni.

[8] Ngakho-ke owalayo akali umuntu, kepha wala uNkulunkulu, yena oninika uMoya wakhe oNgcwele.

[9] Kepha maqondana nothando lobuzalwane anisweli ukuba umuntu anilobele, ngokuba nina uqobo ningabafundisiwe nguNkulunkulu ukuba nithandane;

[10] nempela niyakwenza lokho kubo bonke abazalwane abaseMakedoniya lonke. Kepha siyaniyala, bazalwane, ukuba nivame nokuvama kulokho,

[11] nikhuthalele ukuhlala ngokuthula, nokwenza okwenu, nokusebenza ngezandla zenu, njengokuba saniyala,

[12] ukuze nihambe ngokufaneleyo kwabangaphandle, ningasweli lutho.

A situação dos mortos em Cristo e a vinda do Senhor

13 Não queremos, porém, irmãos, que sejais ignorantes com respeito aos que dormem, para não vos entristecerdes como os demais, que não têm esperança.

14 Pois, se cremos que Jesus morreu e ressuscitou, assim também Deus, mediante Jesus, trará, em sua companhia, os que dormem.

15 Ora, ainda vos declaramos, por palavra do SENHOR, isto: nós, os vivos, os que ficarmos até à vinda do SENHOR, de modo algum precederemos os que dormem.

16 Porquanto o SENHOR mesmo, dada a sua palavra de ordem, ouvida a voz do arcanjo, e ressoada a trombeta de Deus, descerá dos céus, e os mortos em Cristo ressuscitarão primeiro;

17 depois, nós, os vivos, os que ficarmos, seremos arrebatados juntamente com eles, entre nuvens, para o encontro do SENHOR nos ares, e, assim, estaremos para sempre com o SENHOR.

18 Consolai-vos, pois, uns aos outros com estas palavras.

1 Tessalonicenses 5

A vinda do Senhor é certa e repentina

1 Irmãos, relativamente aos tempos e às épocas, não há necessidade de que eu vos escreva;

2 pois vós mesmos estais inteirados com precisão de que o Dia do SENHOR vem como ladrão de noite.

Ukuvuka kwabafileyo

13 Kepha asithandi, bazalwane, ukuba ningabi nakwazi ngabalalayo, ukuze ningadabuki njengabanye abangenalo ithemba.

14 Ngokuba uma sikholwa ukuthi uJesu wafa, wavuka, ngokunjalo-ke uNkulunkulu uyakubaletha nabaleleyo kuJesu kanye naye.

15 Ngokuba lokho sikusho kini ngezwi leNkosi ukuthi thina, esisekhona sisasele kuze kube sekufikeni kweNkosi, asiyikubandulela nempela abaleleyo,

16 ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala,

17 khona thina, esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni; kanjalo-ke siyakuba nayo iNkosi njalo.

18Ngakho-ke duduzanani ngalawo mazwi.

1 kwabaseThesalonika 5

Usuku lweNkosi kalwaziwa. Amakholwa kahlale elulindele kanye nensindiso

1Kepha ngezikhathi nangemizuzu, bazalwane, anisweli ukulotshelwa,

2 ngokuba nina uqobo niyazi kahle ukuthi usuku lweNkosi luza njengesela ebusuku.

[3] Quando andarem dizendo: Paz e segurança, eis que lhes sobrevirá repentina destruição, como vêm as dores de parto à que está para dar à luz; e de nenhum modo escaparão.

[3] Nxa bethi: Ngukuthula nokuhlala kahle, khona ukubhujiswa kuyabazuma njengemihelo ifikela okhulelweyo, abasoze baphunyuka.

A necessidade de vigilância

[4] Mas vós, irmãos, não estais em trevas, para que esse Dia como ladrão vos apanhe de surpresa;

[4] Kepha nina bazalwane anikho ebumnyameni, ukuze lolo suku lunifice njengesela,

[5] porquanto vós todos sois filhos da luz e filhos do dia; nós não somos da noite, nem das trevas.

[5] ngokuba nina nonke ningabantwana bokukhanya, ningabantwana bemini. Asisibo abobusuku noma abobumnyama;

[6] Assim, pois, não durmamos como os demais; pelo contrário, vigiemos e sejamos sóbrios.

[6]ngalokho-ke masingalali njengabanye, kodwa masiqwashe, siqonde.

[7] Ora, os que dormem dormem de noite, e os que se embriagam é de noite que se embriagam.

[7]Ngokuba abalalayo balala ebusuku, nabadakwayo badakwa ebusuku;

[8] Nós, porém, que somos do dia, sejamos sóbrios, revestindo-nos da couraça da fé e do amor e tomando como capacete a esperança da salvação;

[8]kepha thina esingabemini masiqonde, sifake isivikelo sesifuba sokukholwa nesothando, isigqoko sibe yithemba lokusindiswa;

[9] porque Deus não nos destinou para a ira, mas para alcançar a salvação mediante nosso SENHOR Jesus Cristo,

[9] ngokuba uNkulunkulu kasimiselanga ulaka kepha ukuba sizuze ukusindiswa ngeNkosi yethu uJesu Kristu

[10] que morreu por nós para que, quer vigiemos, quer durmamos, vivamos em união com ele.

[10] owasifelayo ukuba, noma siqwashile noma silele, siphile kanye naye.

[11] Consolai-vos, pois, uns aos outros e edificai-vos reciprocamente, como também estais fazendo.

[11] Ngalokho-ke vuselelanani, nakhane njengokuba futhi nikwenza.

Diversos preceitos

Mabazise abaholi babo, balulekane

[12] Agora, vos rogamos, irmãos, que acateis com apreço os que trabalham entre vós e os que vos presidem no SENHOR e vos admoestam;

[12] Kepha siyanincenga, bazalwane, ukuba nibazi abakhandlekayo phakathi kwenu, nabaniphetheyo eNkosini, nabanilulekayo,

[13] e que os tenhais com amor em máxima consideração, por causa do trabalho que realizam. Vivei em paz uns com os outros.
[14] Exortamo-vos, também, irmãos, a que admoesteis os insubmissos, consoleis os desanimados, ampareis os fracos e sejais longânimos para com todos.

[15] Evitai que alguém retribua a outrem mal por mal; pelo contrário, segui sempre o bem entre vós e para com todos.

[16] Regozijai-vos sempre.
[17] Orai sem cessar.
[18] Em tudo, dai graças, porque esta é a vontade de Deus em Cristo Jesus para convosco.
[19] Não apagueis o Espírito.
[20] Não desprezeis as profecias;
[21] julgai todas as coisas, retende o que é bom;

[22] abstende-vos de toda forma de mal.

O voto do apóstolo

[23] O mesmo Deus da paz vos santifique em tudo; e o vosso espírito, alma e corpo sejam conservados íntegros e irrepreensíveis na vinda de nosso SENHOR Jesus Cristo.

[24] Fiel é o que vos chama, o qual também o fará.

A saudação final e a bênção

[25] Irmãos, orai por nós.
[26] Saudai todos os irmãos com ósculo santo.

[13]nibazisise kakhulu othandweni ngenxa yomsebenzi wabo. Hlalisanani ngokuthula.
[14] Kepha siyaniyala, bazalwane, ukuba niluleke abangahambi ngomthetho, nithokozise abadanileyo, nisekele ababuthakathaka, nibabekezelele bonke.
[15] Qaphelani ukuba kungabikho ophindisela omunye okubi ngokubi; kepha jongani njalo ukwenza okuhle, omunye komunye nakubo bonke.
[16] Thokozani njalo;
[17] khulekani ningaphezi;
[18] kukho konke bongani; ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu kuKristu Jesu ngani.
[19] Ningamcimi uMoya;
[20] ningakudeleli ukuprofetha;

[21]vivinyani konke, nibambisise okuhle;

[22]dedani kukho konke okubonakala kukubi.

Isigcino

[23] Kepha uNkulunkulu wokuthula, yena uqobo, makaningcwelise ngokupheleleyo, kulondolozwe umoya wenu wonke nomphefumulo nomzimba, kungabi nacala ekufikeni kweNkosi yethu uJesu Kristu.
[24]Uthembekile yena onibizayo, oyakukwenza futhi.

[25] Bazalwane, sikhulekeleni.
[26] Khonzani kubazalwane bonke ngokwanga okungcwele.

[27] Conjuro-vos, pelo SENHOR, que esta epístola seja lida a todos os irmãos.
[28] A graça de nosso SENHOR Jesus Cristo seja convosco.

[27] Ngiyanifungisa iNkosi ukuba le ncwadi ifundwe kubo bonke abazalwane.
[28] Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube nani.

Segunda epístola de Paulo aos Tessalonicenses

2 kwabaseThesalonika

2 Tessalonicenses 1

Prefácio e saudação

[1] Paulo, Silvano e Timóteo, à igreja dos tessalonicenses, em Deus, nosso Pai, e no SENHOR Jesus Cristo,

[2] graça e paz a vós outros, da parte de Deus Pai e do SENHOR Jesus Cristo.

Ação de graças

[3] Irmãos, cumpre-nos dar sempre graças a Deus no tocante a vós outros, como é justo, pois a vossa fé cresce sobremaneira, e o vosso mútuo amor de uns para com os outros vai aumentando,

[4] a tal ponto que nós mesmos nos gloriamos de vós nas igrejas de Deus, à vista da vossa constância e fé, em todas as vossas perseguições e nas tribulações que suportais,

[5] sinal evidente do reto juízo de Deus, para que sejais considerados dignos do reino de Deus, pelo qual, com efeito, estais sofrendo;

[6] se, de fato, é justo para com Deus que ele dê em paga tribulação aos que vos atribulam

[7] e a vós outros, que sois atribulados, alívio juntamente conosco, quando do céu se manifestar o SENHOR Jesus com os anjos do seu poder,

[8] em chama de fogo, tomando vingança contra os que não conhecem a Deus e

2 kwabaseThesalonika 1

Isibingelelo

[1] OPawulu, noSilvanu, noThimothewu kulo ibandla labaseThesalonika elikuNkulunkulu, uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu:

[2]Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

UPawulu ubonga ukuthuthuka kwevangeli phakathi kwebandla

[3] Simelwe ukumbonga njalo uNkulunkulu ngani bazalwane, njengokuba kufanele, ngokuba inkolo yenu iyanda kakhulu, nothando lwenu nonke omunye komunye luyakhula,

[4] kuze kuthi thina ngokwethu sizincome ngani emabandleni kaNkulunkulu ngenxa yokukhuthazela kwenu nokukholwa ekuzingelweni kwenu konke nasezinhluphekweni enibekezela kuzo,

[5] okuyisiboniso sokwahlulela okulungileyo kukaNkulunkulu, ukuze kuthiwe ningabalungele umbuso kaNkulunkulu enihlupheka ngenxa yawo,

[6] uma kambe kuyinto elungile kuNkulunkulu ukuba abuyisele ukuhlupheka kubo abanihluphayo,

[7] aniphe nina enihluphekayo ukuphumula kanye nathi ekwambulweni kweNkosi uJesu, evela ezulwini, enezingelosi zamandla akhe,

[8]elangabini lomlilo, ephindisela kwabangamazi uNkulunkulu

contra os que não obedecem ao evangelho de nosso SENHOR Jesus.

[9] Estes sofrerão penalidade de eterna destruição, banidos da face do SENHOR e da glória do seu poder,

[10] quando vier para ser glorificado nos seus santos e ser admirado em todos os que creram, naquele dia (porquanto foi crido entre vós o nosso testemunho).

[11] Por isso, também não cessamos de orar por vós, para que o nosso Deus vos torne dignos da sua vocação e cumpra com poder todo propósito de bondade e obra de fé,

[12] a fim de que o nome de nosso SENHOR Jesus seja glorificado em vós, e vós, nele, segundo a graça do nosso Deus e do SENHOR Jesus Cristo.

2 Tessalonicenses 2

A vinda do Senhor. A revelação da apostasia. O homem da iniquidade

[1] Irmãos, no que diz respeito à vinda de nosso SENHOR Jesus Cristo e à nossa reunião com ele, nós vos exortamos

[2] a que não vos demovais da vossa mente, com facilidade, nem vos perturbeis, quer por espírito, quer por palavra, quer por epístola, como se procedesse de nós, supondo tenha chegado o Dia do SENHOR.

[3] Ninguém, de nenhum modo, vos engane, porque isto não acontecerá sem que primeiro venha a apostasia e seja revelado

nakwabangalaleli ivangeli leNkosi yethu uJesu,

[9] abazakunikwa isijeziso esingukubhujiswa okuphakade, basuke phambi kobuso beNkosi naphambi kwenkazimulo yamandla akhe,

[10] nxa efika ukuba akhazimuliswe kubo abangcwele bakhe, abe ngomangalisayo kubo bonke abakholwa ngalowo muhla, ngokuba nakholwa ngukufakaza kwethu.

[11] Ngenxa yalokho siyanikhulekela njalo, ukuze uNkulunkulu wethu anenze nibe ngabafanele ukubizwa kwenu, agcwalise ngamandla konke okuhle enikuthandayo nomsebenzi wokukholwa,

[12] ukuze igama leNkosi yethu uJesu likhazimuliswe kini, nani kuye, ngokomusa kaNkulunkulu wethu noweNkosi uJesu Kristu.

2 kwabaseThesalonika 2

Ukufika kweNkosi kuyakwandulelwa ngukufika komuntu ongenamthetho

[1] Kepha siyanxusa, bazalwane, mayelana nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu nokubuthanela kwethu kuyo,

[2] ukuba ningasheshi ninyakaziswe engqondweni yenu, ningethuswa noma ngomoya, noma ngezwi, noma ngencwadi ngokungathi ivela kithi, sengathi usuku lukaKristu selufikile.

[3] Makungabikho muntu onikhohlisayo nangayiphi indlela; ngokuba aluyikufika, kungaveli kuqala ukuhlubuka,

o homem da iniqüidade, o filho da perdição,

[4] o qual se opõe e se levanta contra tudo que se chama Deus ou é objeto de culto, a ponto de assentar-se no santuário de Deus, ostentando-se como se fosse o próprio Deus.

[5] Não vos recordais de que, ainda convosco, eu costumava dizer-vos estas coisas?

[6] E, agora, sabeis o que o detém, para que ele seja revelado somente em ocasião própria.

O caráter do homem da iniquidade e a sua derrota

[7] Com efeito, o mistério da iniqüidade já opera e aguarda somente que seja afastado aquele que agora o detém;

[8] então, será, de fato, revelado o iníquo, a quem o SENHOR Jesus matará com o sopro de sua boca e o destruirá pela manifestação de sua vinda.

[9] Ora, o aparecimento do iníquo é segundo a eficácia de Satanás, com todo poder, e sinais, e prodígios da mentira,

[10] e com todo engano de injustiça aos que perecem, porque não acolheram o amor da verdade para serem salvos.

[11] É por este motivo, pois, que Deus lhes manda a operação do erro, para darem crédito à mentira,

[12] a fim de serem julgados todos quantos não deram crédito à verdade; antes, pelo contrário, deleitaram-se com a injustiça.

Ação de graças e exortação

kwambulwe umuntu ongenamthetho, indodana yokulahlwa,

[4] omelana nakho konke, nozikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu noma into ekhonzwayo, aze azihlalise ethempelini likaNkulunkulu ezishaya uNkulunkulu.

[5]Anikhumbuli yini ukuthi ngisekhona kini nganitshela lokho na?

[6]Senikwazi okumbambezelayo, ukuze ambulwe ngesikhathi sakhe.

[7]Ngokuba imfihlakalo yokungabi namthetho isiyasebenza, kuphela ukuze kudediswe yena obambezelayo manje.

[8] Lapho-ke uzakwambulwa lowo ongenamthetho, eyakumqeda iNkosi uJesu Kristu ngomoya womlomo wayo, imchithe ngokubonakala kokufika kwayo,

[9] lowo okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane ngawo onke amandla, nezibonakaliso, nezimangaliso zamanga,

[10] nangayo yonke inkohliso yokungalungi kwababhubhayo, ngenxa yokuba bengavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe.

[11]Ngalokho-ke uNkulunkulu ubathumela amandla okuduka, baze bakholwe ngamanga,

[12]ukuba bonke abangakholwanga yiqiniso benamela ukungalungi balahlwe.

Ukubonga nokunxusa kukaPawulu

[13] Entretanto, devemos sempre dar graças a Deus por vós, irmãos amados pelo SENHOR, porque Deus vos escolheu desde o princípio para a salvação, pela santificação do Espírito e fé na verdade,

[14] para o que também vos chamou mediante o nosso evangelho, para alcançardes a glória de nosso SENHOR Jesus Cristo.

[15] Assim, pois, irmãos, permanecei firmes e guardai as tradições que vos foram ensinadas, seja por palavra, seja por epístola nossa.

[16] Ora, nosso SENHOR Jesus Cristo mesmo e Deus, o nosso Pai, que nos amou e nos deu eterna consolação e boa esperança, pela graça,

[17] consolem o vosso coração e vos confirmem em toda boa obra e boa palavra.

2 Tessalonicenses 3

Paulo pede as orações dos tessalonicenses

[1] Finalmente, irmãos, orai por nós, para que a palavra do SENHOR se propague e seja glorificada, como também está acontecendo entre vós;

[23] Ora, aqueles são feitos sacerdotes em maior número, porque são impedidos pela morte de continuar;
[24] este, no entanto, porque continua para sempre, tem o seu sacerdócio imutável.
[25] Por isso, também pode salvar totalmente os que por ele se chegam a Deus, vivendo sempre para interceder por eles.
[26] Com efeito, nos convinha um sumo sacerdote como este, santo, inculpável, sem mácula, separado dos pecadores e feito mais alto do que os céus,
[27] que não tem necessidade, como os sumos sacerdotes, de oferecer todos os

[17] Ngokuba kufakazwa ngaye ukuthi: Wena ungumpristi kuze kube phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.
[18] Ngokuba umthetho wokuqala uyachithwa ngenxa yobuthakathaka bawo nokungasizi kwawo,

[19] lokhu umthetho awuphelelisanga lutho, kepha sekungeniswa ithemba elingcono, esisondela ngalo kuNkulunkulu.

[20]Futhi ngalokho ukuthi akubanga ngaphandle kokufunga -- ngokuba labo kambe babekwa babe ngabapristi ngaphandle kokufunga,
[21]kepha yena wabekwa ngokufunga nguye owasho kuye ukuthi: INkosi yafunga, ayiyikuzisola, yathi: Wena ungumpristi kuze kube phakade.
[22] Ngokungakho-ke uJesu waba yisiboniso sesivumelwano esingcono.
[23]Kulabo-ke baba baningi ababekwa babe ngabapristi, ngokuba bathiyeka ngenxa yokufa ukuba baqhube njalo;
[24] kepha yena, ngenxa yokuba ehlala phakade, unobupristi obungenakuguquka;

[25] ngakho-ke unamandla okusindisa ngokupheleleyo abeza kuNkulunkulu ngaye, lokhu ephilela njalo ukubamela.

[26] Ngokuba umpristi omkhulu onjalo usifanele thina, ongcwele, ongenacala, ongenabala, owahlukanisiwe nezoni, owenziwa aphakame phezu kwamazulu,
[27] ongadingi imihla ngemihla njengalabo bapristi abakhulu ukunikela

dias sacrifícios, primeiro, por seus próprios pecados, depois, pelos do povo; porque fez isto uma vez por todas, quando a si mesmo se ofereceu.

[28] Porque a lei constitui sumos sacerdotes a homens sujeitos à fraqueza, mas a palavra do juramento, que foi posterior à lei, constitui o Filho, perfeito para sempre.

ngemihlatshelo ngenxa yezakhe izono kuqala nangasemuva ngenxa yezabantu; ngokuba wenza lokho kanye mhla ezinikela yena.

[28] Ngokuba umthetho umisa abantu babe ngabapristi abakhulu abanobuthakathaka, kepha izwi lesifungo elalandela umthetho limisa iNdodana ephelelisiwe kuze kube phakade.

Hebreus 8

A antiga aliança era o símbolo transitório da nova, superior e eterna, da qual Cristo é o mediador

[1] Ora, o essencial das coisas que temos dito é que possuímos tal sumo sacerdote, que se assentou à destra do trono da Majestade nos céus,

[2] como ministro do santuário e do verdadeiro tabernáculo que o SENHOR erigiu, não o homem.

[3] Pois todo sumo sacerdote é constituído para oferecer tanto dons como sacrifícios; por isso, era necessário que também esse sumo sacerdote tivesse o que oferecer.

[4] Ora, se ele estivesse na terra, nem mesmo sacerdote seria, visto existirem aqueles que oferecem os dons segundo a lei,

[5] os quais ministram em figura e sombra das coisas celestes, assim como foi Moisés divinamente instruído, quando estava para construir o tabernáculo; pois diz ele: Vê que faças todas as coisas de acordo com o modelo que te foi mostrado no monte.

KumaHeberu 8

UKristu usenguye umpristi omkhulu nasezulwini

[1] Kepha okuyindikimba kwesikushoyo yilokhu: sinompristi omkhulu onjalo osewahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi soMkhulu emazulwini,

[2] isikhonzi sokungcwele nesetabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu.

[3] Ngokuba yilowo nalowo mpristi omkhulu umiselwa ukunikela ngeminikelo nemihlatshelo; ngakho-ke kuyadingeka ukuba naye lo abe nakho okuthile kokunikela.

[4]Ngokuba uma ebesemhlabeni, ubengayikuba ngumpristi nakanye, ngokuba bakhona abapristi abanikela ngeminikelo ngomthetho,

[5] bekhonza okungumfanekiso nesithunzi sokwasezulwini, njengokuba uMose wayalwa esezakwenza itabernakele ngokuthi: Bheka, wokwenza konke ngesifanekiso owaboniswa sona entabeni,

[6] Agora, com efeito, obteve Jesus ministério tanto mais excelente, quanto é ele também Mediador de superior aliança instituída com base em superiores promessas.

[7] Porque, se aquela primeira aliança tivesse sido sem defeito, de maneira alguma estaria sendo buscado lugar para uma segunda.

[8] E, de fato, repreendendo-os, diz: Eis aí vêm dias, diz o SENHOR, e firmarei nova aliança com a casa de Israel e com a casa de Judá,

[9] não segundo a aliança que fiz com seus pais, no dia em que os tomei pela mão, para os conduzir até fora da terra do Egito; pois eles não continuaram na minha aliança, e eu não atentei para eles, diz o SENHOR.

[10] Porque esta é a aliança que firmarei com a casa de Israel, depois daqueles dias, diz o SENHOR: na sua mente imprimirei as minhas leis, também sobre o seu coração as inscreverei; e eu serei o seu Deus, e eles serão o meu povo.

[11] E não ensinará jamais cada um ao seu próximo, nem cada um ao seu irmão, dizendo: Conhece ao SENHOR; porque todos me conhecerão, desde o menor deles até ao maior.

[12] Pois, para com as suas iniqüidades, usarei de misericórdia e dos seus pecados jamais me lembrarei.

[6] kepha kalokhu unikiwe inkonzo enhle kakhulu, njengalokhu engumlamuleli wesivumelwano esihle kakhulu, esimisiwe ngokwezithembiso ezinhle kakhulu.

Isivumelwano esisha sikhulu kunesidala

[7]Ngokuba uma leso sivumelwano sokuqala besingasoleki, bekungayikufunwa indawo yesibili.

[8] Ngokuba lapho ebasolayo, uthi kubo: Bhekani, izinsuku ziyeza, isho iNkosi, lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli, nendlu kaJuda,

[9] kungenjengesivumelwano engasenzayo nawoyise mhla ngibabamba ngesandla ukubakhipha ezweni laseGibithe, ngokuba abahlalanga esivumelwaneni sami, nami angibanakanga, isho iNkosi.

[10] Ngokuba yilesi esiyisivumelwano engiyakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku, isho iNkosi: ngiyakufaka imithetho yami engqondweni yabo, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami.

[11] Abasayikufundisa kube yilowo nalowo owakubo, nalowo umfowabo, ngokuthi: Yazi INkosi; ngokuba bonke bayakungazi, kusukela komncane kuze kufike komkhulu wabo.

[12]Ngokuba ngiyakuba nesihawu ngokungalungi kwabo, nezono zabo angisayikuzikhumbula.

[13] Quando ele diz Nova, torna antiquada a primeira. Ora, aquilo que se torna antiquado e envelhecido está prestes a desaparecer.

Hebreus 9

Os ritos, ofertas e sacrifícios mosaicos eram imperfeitos e ineficazes

[1] Ora, a primeira aliança também tinha preceitos de serviço sagrado e o seu santuário terrestre.

[2] Com efeito, foi preparado o tabernáculo, cuja parte anterior, onde estavam o candeeiro, e a mesa, e a exposição dos pães, se chama o Santo Lugar;

[3] por trás do segundo véu, se encontrava o tabernáculo que se chama o Santo dos Santos,

[4] ao qual pertencia um altar de ouro para o incenso e a arca da aliança totalmente coberta de ouro, na qual estava uma urna de ouro contendo o maná, o bordão de Arão, que floresceu, e as tábuas da aliança;

[5] e sobre ela, os querubins de glória, que, com a sua sombra, cobriam o propiciatório. Dessas coisas, todavia, não falaremos, agora, pormenorizadamente.

[6] Ora, depois de tudo isto assim preparado, continuamente entram no primeiro tabernáculo os sacerdotes, para realizar os serviços sagrados;

[7] mas, no segundo, o sumo sacerdote, ele sozinho, uma vez por ano, não sem sangue, que oferece por si e pelos pecados de ignorância do povo,

[13] Ngokusho lokho ukuthi: Esisha, uthe esokuqala sigugile; kepha okugugayo osekukudala kuseduze nokunyamalala.

KumaHeberu 9

Umsebenzi wobupristi wesivumelano esidala

[1] Kepha nesivumelwano sokuqala kambe sasinezimiso zenkonzo nendlu engcwele yasezweni.

[2] Ngokuba kwakhiwa itabernakele lokuqala okwakukhona kulo uthi lwezibani, netafula, nezinkwa zokubukwa, okuthiwa elingcwele;

[3] ngasemva kwesihenqo sesibili kwakukhona itabernakele elithiwa elingcwelengcwele,

[4] eline-altare legolide lokuthunqisa nomphongolo wesivumelwano umboziwe ngegolide nxazonke, okwakukhona kuwo isitsha segolide esiphethe imana, nenduku ka-Aroni eyahlumayo, nezibhebhe zesivumelwano;

[5]phezu kwawo kwakukhona amakherubi enkazimulo engamele isihlalo somusa, okungenakukhulunywa ngakho ngakunye manje.

[6] Kepha lezo zinto zilungisiwe ngokunjalo, abapristi bangena njalo etabernakele lokuqala befeza izinkonzo,

[7] kodwa kwelesibili kungena umpristi omkhulu yedwa kanye ngomnyaka, kungengaphandle kwegazi anikela ngalo

8 querendo com isto dar a entender o Espírito Santo que ainda o caminho do Santo Lugar não se manifestou, enquanto o primeiro tabernáculo continua erguido.
9 É isto uma parábola para a época presente; e, segundo esta, se oferecem tanto dons como sacrifícios, embora estes, no tocante à consciência, sejam ineficazes para aperfeiçoar aquele que presta culto,
10 os quais não passam de ordenanças da carne, baseadas somente em comidas, e bebidas, e diversas abluções, impostas até ao tempo oportuno de reforma.

O sacrifício de Cristo não se repete, é perfeito e eficaz

11 Quando, porém, veio Cristo como sumo sacerdote dos bens já realizados, mediante o maior e mais perfeito tabernáculo, não feito por mãos, quer dizer, não desta criação,

12 não por meio de sangue de bodes e de bezerros, mas pelo seu próprio sangue, entrou no Santo dos Santos, uma vez por todas, tendo obtido eterna redenção.
13 Portanto, se o sangue de bodes e de touros e a cinza de uma novilha, aspergidos sobre os contaminados, os santificam, quanto à purificação da carne,
14 muito mais o sangue de Cristo, que, pelo Espírito eterno, a si mesmo se ofereceu sem mácula a Deus, purificará a nossa consciência de obras mortas, para servirmos ao Deus vivo!

ngenxa yakhe uqobo nangenxa yezono zabantu,
8 uMoya oNgcwele etshengisa lokhu ukuthi ayikabonakaliswa indlela eya endaweni engcwele, lisemi itabernakele lokuqala,
9elona lingumfanekiso kulesi sikhathi samanje, okulethwa ngawo iminikelo nemihlatshelo engenakumenza okhonzayo aphelele maqondana nonembeza,
10 kodwa yona kanye nokudla nokuphuza nokugeza okuyizinhlobonhlobo iyizimiso zenyama kuphela ezibekiweyo, kuze kufike isikhathi sokuphelelisiwa kwezinto.

Umsebenzi kaKristu wobupristi obukhulu

11 Kepha lokhu uKristu esefikile, engumpristi omkhulu wezinto ezinhle ezizayo, wadabula itabernakele elikhulu neliphelele kunalelo, elingenziwanga ngezandla, okungukuthi elingesilo lalokhu kudalwa,
12wangena kanye kuphela endaweni engcwele, kungengegazi lezimbuzi nelamathole kepha ngegazi lakhe, ezuzile ukukhululwa okuphakade.
13Ngokuba uma igazi lezimbuzi nelezinkunzi nomlotha wesithole kufafaza abangcolileyo, kuhlambulula kube ngukuhlanzeka kwenyama,
14kakhulu kangakanani igazi likaKristu owazinikela kuNkulunkulu ngoMoya ophakade engenacala lizakuhlanza unembeza wethu emisebenzini efileyo, ukuze sikhonze uNkulunkulu ophilayo.

UKristu ungumlamuleli wesivumelwano esisha ngegazi lakhe

15 Por isso mesmo, ele é o Mediador da nova aliança, a fim de que, intervindo a morte para remissão das transgressões que havia sob a primeira aliança, recebam a promessa da eterna herança aqueles que têm sido chamados.

15 Ngalokho-ke ungumlamuleli wesivumelwano esisha, kuze kuthi ngokufa okungenxa yokukhululwa eziphambekweni zesivumelwano sokuqala ababiziweyo bazuze ifa eliphakade elathenjiswayo.

16 Porque, onde há testamento, é necessário que intervenha a morte do testador;

16Ngokuba lapho kukhona itestamente, kufuneka ukuba kubikwe ukufa kowalenzayo;

17 pois um testamento só é confirmado no caso de mortos; visto que de maneira nenhuma tem força de lei enquanto vive o testador.

17ngokuba itestamente lisebenza sekufiwe, ngokuba alize lingaba namandla esekhona owalenzayo.

18 Pelo que nem a primeira aliança foi sancionada sem sangue;

18Ngalokho-ke isivumelwano sokuqala asimiswanga ngaphandle kwegazi.

19 porque, havendo Moisés proclamado todos os mandamentos segundo a lei a todo o povo, tomou o sangue dos bezerros e dos bodes, com água, e lã tinta de escarlate, e hissopo e aspergiu não só o próprio livro, como também sobre todo o povo,

19 Ngokuba isikhulunyiwe imiyalelo yonke ngokomthetho nguMose kubantu bonke, wayesethatha igazi lamathole nelezimbuzi kanye namanzi noboya obubomvu nehisopi, wafafaza incwadi nabantu bonke,

20 dizendo: Este é o sangue da aliança, a qual Deus prescreveu para vós outros.

20 ethi: Lokhu kuyigazi lesivumelwano aniyale ngaso uNkulunkulu.

21 Igualmente também aspergiu com sangue o tabernáculo e todos os utensílios do serviço sagrado.

21 Netabernakele futhi, nezitsha zonke zenkonzo wakufafaza kanjalo ngegazi.

22 Com efeito, quase todas as coisas, segundo a lei, se purificam com sangue; e, sem derramamento de sangue, não há remissão.

22 Yebo, cishe zonke izinto zihlanjululwa ngegazi ngokomthetho; ngaphandle kokuchitha igazi akukho ukuthethelelwa.

O sacrifício de Cristo é eficaz para sempre

23 Era necessário, portanto, que as figuras das coisas que se acham nos céus se purificassem com tais sacrifícios, mas as

23Njalo-ke kwakudingekile ukuba imifanekiso yokusezulwini ihlanzwe ngalokho, kepha okusezulwini uqobo

próprias coisas celestiais, com sacrifícios a eles superiores.

lwakho kuhlanzwe ngeminikelo emihle kunalena.

24 Porque Cristo não entrou em santuário feito por mãos, figura do verdadeiro, porém no mesmo céu, para comparecer, agora, por nós, diante de Deus;

24 Ngokuba uKristu kangenanga endaweni engcwele eyenziwe ngezandla, engumfanekiso waleyo okuyiyo ngempela, kepha wangena ezulwini uqobo ukuba manje abonakale ebusweni bukaNkulunkulu ngenxa yethu,

25 nem ainda para se oferecer a si mesmo muitas vezes, como o sumo sacerdote cada ano entra no Santo dos Santos com sangue alheio.

25 kungesikho futhi ukuba azinikele kaningi, njengalokhu umpristi omkhulu engena endaweni engcwele iminyaka ngeminyaka, ephethe igazi elingesilo elakhe;

26 Ora, neste caso, seria necessário que ele tivesse sofrido muitas vezes desde a fundação do mundo; agora, porém, ao se cumprirem os tempos, se manifestou uma vez por todas, para aniquilar, pelo sacrifício de si mesmo, o pecado.

26uma kwakunjalo wayemelwe ukuhlupheka kaningi selokhu kwasekelwa izwe; kodwa kalokhu ubonakalisiwe kanye ekupheleni kwezikhathi ukuba asuse izono ngokuzinikela kwakhe.

27 E, assim como aos homens está ordenado morrerem uma só vez, vindo, depois disto, o juízo,

27 Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa,

28 assim também Cristo, tendo-se oferecido uma vez para sempre para tirar os pecados de muitos, aparecerá segunda vez, sem pecado, aos que o aguardam para a salvação.

28 kunjalo noKristu, esenikelwe kanye ukuba athwale izono zabaningi, uyakubonakala ngokwesibili ngaphandle kwesono kulabo abamlindeleyo, kube ngukusindiswa.

Hebreus 10

Os sacrifícios antigos eram humanos e transitórios. A expiação feita por Cristo é divina e permanente

1 Ora, visto que a lei tem sombra dos bens vindouros, não a imagem real das coisas, nunca jamais pode tornar perfeitos os ofertantes, com os mesmos sacrifícios que,

KumaHeberu 10

Inkonzo yobupristi endala nentsha

1 Ngokuba lokhu umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungesiwo umfanekiso wazo uqobo, ungeze waba namandla ngemihlatshelo enikelwa

ano após ano, perpetuamente, eles oferecem.

[2] Doutra sorte, não teriam cessado de ser oferecidos, porquanto os que prestam culto, tendo sido purificados uma vez por todas, não mais teriam consciência de pecados?

[3] Entretanto, nesses sacrifícios faz-se recordação de pecados todos os anos,

[4] porque é impossível que o sangue de touros e de bodes remova pecados.

[5] Por isso, ao entrar no mundo, diz: Sacrifício e oferta não quiseste; antes, um corpo me formaste;

[6] não te deleitaste com holocaustos e ofertas pelo pecado.

[7] Então, eu disse: Eis aqui estou (no rolo do livro está escrito a meu respeito), para fazer, ó Deus, a tua vontade.

[8] Depois de dizer, como acima: Sacrifícios e ofertas não quiseste, nem holocaustos e oblações pelo pecado, nem com isto te deleitaste (coisas que se oferecem segundo a lei),

[9] então, acrescentou: Eis aqui estou para fazer, ó Deus, a tua vontade. Remove o primeiro para estabelecer o segundo.

[10] Nessa vontade é que temos sido santificados, mediante a oferta do corpo de Jesus Cristo, uma vez por todas.

[11] Ora, todo sacerdote se apresenta, dia após dia, a exercer o serviço sagrado e a

njalonjalo iminyaka ngeminyaka ukubenza baphelele labo abasondelayo;

[2]uma kwakungenjalo, nga ingayekwanga ukunikelwa na? lokhu phela abakhonzayo sebehlanjululwe kanye babengasayikuba novalo ngezono.

[3] Kodwa kuleyo mihlatshelo kukhona ukukhunjulwa kwezono iminyaka ngeminyaka;

[4]ngokuba akunakwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono.

[5] Ngalokho-ke esefika ezweni uthi: Umhlatshelo nomnikelo awuwuthandanga, kodwa ungilungisele umzimba.

[6]Iminikelo yokushiswa nemihlatshelo ngenxa yesono awuyithokozelanga.

[7]Ngase ngithi: Bheka, ngiyeza -- emqulwini wencwadi kulotshiwe ngami -- ukuba ngiyenze, Nkulunkulu, intando yakho.

[8]Eseshilo ngasenhla ukuthi: Imihlatshelo, neminikelo, neminikelo yokushiswa, nemihlatshelo ngenxa yezono awuyithandanga, awuyithokozelanga, eyona ilethwa ngokomthetho,

[9]ubuye wathi: Bheka, ngiyeza ukwenza intando yakho. Ususa okokuqala, ukuze amise okwesibili.

[10] Ngaleyo ntando singcwelisiwe ngokunikelwa komzimba kaJesu Kristu kanye kuphela.

[11] Abapristi bonke kambe bemi bekhonza imihla ngemihla, benikela kaningi

oferecer muitas vezes os mesmos sacrifícios, que nunca jamais podem remover pecados;

[12] Jesus, porém, tendo oferecido, para sempre, um único sacrifício pelos pecados, assentou-se à destra de Deus,

[13] aguardando, daí em diante, até que os seus inimigos sejam postos por estrado dos seus pés.

[14] Porque, com uma única oferta, aperfeiçoou para sempre quantos estão sendo santificados.

[15] E disto nos dá testemunho também o Espírito Santo; porquanto, após ter dito:

[16] Esta é a aliança que farei com eles, depois daqueles dias, diz o SENHOR: Porei no seu coração as minhas leis e sobre a sua mente as inscreverei,

[17] acrescenta: Também de nenhum modo me lembrarei dos seus pecados e das suas iniqüidades, para sempre.

[18] Ora, onde há remissão destes, já não há oferta pelo pecado.

O privilégio de acesso dos crentes à presença de Deus

[19] Tendo, pois, irmãos, intrepidez para entrar no Santo dos Santos, pelo sangue de Jesus,

[20] pelo novo e vivo caminho que ele nos consagrou pelo véu, isto é, pela sua carne,

ngayona leyo mihlatshelo engasoze yaba namandla okususa izono;

[12] kepha yena, esenikele ngomhlatshelo waba munye ngenxa yezono, wahlala phakade ngakwesokunene sikaNkulunkulu,

[13] usalindele izitha zakhe zize zenziwe isenabelo sezinyawo zakhe.

[14]Ngokuba ngomnikelo munye uphelelise njalonjalo labo abangcwelisiweyo.

[15]Kepha noMoya oNgcwele uyafakaza kithina, ngokuba emva kokusho kwakhe ukuthi:

[16] Yilesi sivumelwano engizakusenza nabo, emva kwalezo zinsuku, isho iNkosi: Ngiyakufaka imithetho yami ezinhliziyweni zabo, ngiyilobe engqondweni yabo,

[17]nezono zabo nobubi babo angisoze ngakukhumbula futhi.

[18]Kepha lapho kukhona ukuthethelelwa kwalokho, akusadingeki ukunikela ngenxa yesono.

Umyalo wokukholwa nokuthembeka

[19] Ngakho-ke, bazalwane, njengokuba sinesibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu

[20]ngendlela asivulela yona, indlela entsha ephilayo, edabula isihenqo, okungukuthi inyama yakhe,

[21] e tendo grande sacerdote sobre a casa de Deus,

[22] aproximemo-nos, com sincero coração, em plena certeza de fé, tendo o coração purificado de má consciência e lavado o corpo com água pura.

[23] Guardemos firme a confissão da esperança, sem vacilar, pois quem fez a promessa é fiel.

[24] Consideremo-nos também uns aos outros, para nos estimularmos ao amor e às boas obras.

[25] Não deixemos de congregar-nos, como é costume de alguns; antes, façamos admoestações e tanto mais quanto vedes que o Dia se aproxima.

O castigo do pecado voluntário

[26] Porque, se vivermos deliberadamente em pecado, depois de termos recebido o pleno conhecimento da verdade, já não resta sacrifício pelos pecados;

[27] pelo contrário, certa expectação horrível de juízo e fogo vingador prestes a consumir os adversários.

[28] Sem misericórdia morre pelo depoimento de duas ou três testemunhas quem tiver rejeitado a lei de Moisés.

[29] De quanto mais severo castigo julgais vós será considerado digno aquele que calcou aos pés o Filho de Deus, e profanou o sangue da aliança com o qual foi santificado, e ultrajou o Espírito da graça?

[30] Ora, nós conhecemos aquele que disse: A mim pertence a vingança; eu retribuirei.

[21]sinompristi omkhulu wendlu kaNkulunkulu,

[22] masisondele ngenhliziyo eqinisileyo ngokwethemba okupheleleyo kokukholwa, zifafaziwe izinhliziyo zethu kungasekho valo lokubi, umzimba wethu ugeziwe ngamanzi acwebileyo;

[23] masibambisise isivumo sethemba lethu singaxegi, ngokuba ukholekile lowo owethembisayo;

[24]masiqaphelane, ukuze kuvuswe uthando nemisebenzi emihle,

[25]singakuyeki ukuhlangana kwethu njengomkhuba wabanye, kepha masivuselelane, ikakhulu njengokuba nibona usuku lusondela.

[26] Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo ngezono,

[27] kepha kuphela ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa nomlilo oshisayo ozakuqeda amaphikankani.

[28] Odelele umthetho kaMose uyakufa engahawukelwa ngezwi lawofakazi ababili noma bebathathu;

[29] pho, nithi ufanele ukushaywa kangakanani kunalokho lowo onyathele phansi iNdodana kaNkulunkulu, wadelela igazi lesivumelwano angcweliswa ngalo, wahlambalaza uMoya womusa, na?

[30] Ngokuba siyamazi owathi: Ngeyami impindiselo, yimina engiyakubuyisela,

E outra vez: O SENHOR julgará o seu povo.

31 Horrível coisa é cair nas mãos do Deus vivo.

Apelo para o passado. A recompensa não tarda

32 Lembrai-vos, porém, dos dias anteriores, em que, depois de iluminados, sustentastes grande luta e sofrimentos;

33 ora expostos como em espetáculo, tanto de opróbrio quanto de tribulações, ora tornando-vos co-participantes com aqueles que desse modo foram tratados.

34 Porque não somente vos compadecestes dos encarcerados, como também aceitastes com alegria o espólio dos vossos bens, tendo ciência de possuirdes vós mesmos patrimônio superior e durável.

35 Não abandoneis, portanto, a vossa confiança; ela tem grande galardão.

36 Com efeito, tendes necessidade de perseverança, para que, havendo feito a vontade de Deus, alcanceis a promessa.

37 Porque, ainda dentro de pouco tempo, aquele que vem virá e não tardará;

38 todavia, o meu justo viverá pela fé; e: Se retroceder, nele não se compraz a minha alma.

39 Nós, porém, não somos dos que retrocedem para a perdição; somos, entretanto, da fé, para a conservação da alma.

Hebreus 11

A natureza da fé

futhi-ke: INkosi iyakubahlulela abantu bayo.

31 Kuyesabeka ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo.

32 Kepha khumbulani izinsuku zakuqala okwathi ngazo senikhanyisiwe nakhuthazela empini enkulu yezinhlupheko,

33 kokunye ngokuba ngumbukwane ngezinhlamba nangezimbandezeko, kokunye ngokuba ngabahlanganyeli nababephathwa kanjalo.

34 Ngokuba nazwelana nababoshiweyo, navuma ngokuthokoza ukuphangwa kwempahla yenu, nazi ukuthi nina ninempahla enhle kunaleyo, nemiyo njalo.

35 Ngakho-ke maningalahli isibindi senu esinomvuzo omkhulu.

36 Ngokuba nidinga ukubekezela, ukuze seniyenzile intando kaNkulunkulu namukele isithembiso.

37 Ngokuba kuse yisikhashana nje, ozayo uyeza, akayikulibala;

38 kepha olungileyo wami uyakuphila ngokukholwa; kepha uma ehlehla nyovane, umphefumulo wami awunakuthokoza ngaye.

39 Kepha thina asisibo abokuhlehlela ekubhujisweni, kodwa singabokukholwa, kuze kube ngukusindiswa komphefumulo.

KumaHeberu 11

Amaqhawe enkolo esivumelwaneni esidala

[1] Ora, a fé é a certeza de coisas que se esperam, a convicção de fatos que se não vêem.

[1] Kepha ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.

[2] Pois, pela fé, os antigos obtiveram bom testemunho.

[2]Ngokuba okhokho bafakazelwa ngakho.

[3] Pela fé, entendemos que foi o universo formado pela palavra de Deus, de maneira que o visível veio a existir das coisas que não aparecem.

[3] Ngokukholwa siqonda ukuthi izwe lonke ladatshulwa ngezwi likaNkulunkulu, kuze kuthi okubonwayo akuvelanga kokubonwayo.

Exemplos de fé extraídos do Antigo Testamento

[4] Pela fé, Abel ofereceu a Deus mais excelente sacrifício do que Caim; pelo qual obteve testemunho de ser justo, tendo a aprovação de Deus quanto às suas ofertas. Por meio dela, também mesmo depois de morto, ainda fala.

[4] Ngokukholwa u-Abela wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kunoKayini, athola ngakho ubufakazi bokuthi ulungile, uNkulunkulu uqobo efakaza ngezipho zakhe; nangakho usakhuluma, noma efile.

[5] Pela fé, Enoque foi trasladado para não ver a morte; não foi achado, porque Deus o trasladara. Pois, antes da sua trasladação, obteve testemunho de haver agradado a Deus.

[5] Ngokukholwa u-Enoke wathathwa, ukuze angaboni ukufa, akabe esafunyanwa, ngokuba uNkulunkulu wayemthabathile. Ngokuba engakathathwa ufakazelwe ukuthi wayethokozisa uNkulunkulu;

[6] De fato, sem fé é impossível agradar a Deus, porquanto é necessário que aquele que se aproxima de Deus creia que ele existe e que se torna galardoador dos que o buscam.

[6]kepha-ke ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukumthokozisa; ngokuba ozayo kuNkulunkulu umelwe ukukholwa ukuthi ukhona nokuthi ungumvuzi walabo abamfunayo.

[7] Pela fé, Noé, divinamente instruído acerca de acontecimentos que ainda não se viam e sendo temente a Deus, aparelhou uma arca para a salvação de sua casa; pela qual condenou o mundo e se tornou herdeiro da justiça que vem da fé.

[7] Ngokukholwa uNowa exwayisiwe ngezinto ebezingakabonwa, esaba uNkulunkulu, wakha umkhumbi wokusindisa indlu yakhe, okungakho walahla izwe, waba yindlalifa yokulunga okuvela ngokukholwa.

[8] Pela fé, Abraão, quando chamado, obedeceu, a fim de ir para um lugar que

[8] Ngokukholwa u-Abrahama walalela ebizwa ukuba aphume aye endaweni

devia receber por herança; e partiu sem saber aonde ia.

[9] Pela fé, peregrinou na terra da promessa como em terra alheia, habitando em tendas com Isaque e Jacó, herdeiros com ele da mesma promessa;

[10] porque aguardava a cidade que tem fundamentos, da qual Deus é o arquiteto e edificador.

[11] Pela fé, também, a própria Sara recebeu poder para ser mãe, não obstante o avançado de sua idade, pois teve por fiel aquele que lhe havia feito a promessa.

[12] Por isso, também de um, aliás já amortecido, saiu uma posteridade tão numerosa como as estrelas do céu e inumerável como a areia que está na praia do mar.

[13] Todos estes morreram na fé, sem ter obtido as promessas; vendo-as, porém, de longe, e saudando-as, e confessando que eram estrangeiros e peregrinos sobre a terra.

[14] Porque os que falam desse modo manifestam estar procurando uma pátria.

[15] E, se, na verdade, se lembrassem daquela de onde saíram, teriam oportunidade de voltar.

[16] Mas, agora, aspiram a uma pátria superior, isto é, celestial. Por isso, Deus não se envergonha deles, de ser chamado o seu Deus, porquanto lhes preparou uma cidade.

abezakuyamukeliswa ibe yifa lakhe; waphuma engazi lapho eya khona.

[9]Ngokukholwa waba ngumfokazi ezweni lesithembiso kwangathi ngelezizwe, ehlala ematendeni, beno-Isaka noJakobe, beyizindlalifa kanye naye zaleso sithembiso,

[10] ngokuba wayebheke umuzi onezisekelo, omakhi nomenzi wawo nguNkulunkulu.

[11] Ngokukholwa naye uSara uqobo wathola amandla okukhulelwa esedlulelwe yisikhathi, ngokuba wathi ukholekile owethembisayo.

[12]Ngakho-ke kwavela koyedwa, yena enjengosewafa, abangangezinkanyezi zezulu ngobuningi, bengangesihlabathi esisogwini lolwandle esingenakubalwa.

[13] Bonke laba bafa bekholiwe, bengazamukeliswanga izithembiso, kepha bezibonile, bezithakazele zikude, bevumile ukuthi bangabafokazi nezihambi emhlabeni.

[14]Ngokuba abasho kanjalo babonakalisa ukuthi bafuna izwe lakubo.

[15]Uma kambe bebecabanga ngalelo ababephuma kulo, bebeyakuba nethuba lokubuyela kulo;

[16] kepha manje balangazelela elihle kunalelo, okungukuthi elasezulwini. Ngalokho uNkulunkulu akanamahloni ngabo ukuba abizwe ngokuthi uNkulunkulu wabo, ngokuba ubalungisele umuzi.

[17] Pela fé, Abraão, quando posto à prova, ofereceu Isaque; estava mesmo para sacrificar o seu unigênito aquele que acolheu alegremente as promessas,

[18] a quem se tinha dito: Em Isaque será chamada a tua descendência;

[19] porque considerou que Deus era poderoso até para ressuscitá-lo dentre os mortos, de onde também, figuradamente, o recobrou.

[20] Pela fé, igualmente Isaque abençoou a Jacó e a Esaú, acerca de coisas que ainda estavam para vir.

[21] Pela fé, Jacó, quando estava para morrer, abençoou cada um dos filhos de José e, apoiado sobre a extremidade do seu bordão, adorou.

[22] Pela fé, José, próximo do seu fim, fez menção do Êxodo dos filhos de Israel, bem como deu ordens quanto aos seus próprios ossos.

[23] Pela fé, Moisés, apenas nascido, foi ocultado por seus pais, durante três meses, porque viram que a criança era formosa; também não ficaram amedrontados pelo decreto do rei.

[24] Pela fé, Moisés, quando já homem feito, recusou ser chamado filho da filha de Faraó,

[25] preferindo ser maltratado junto com o povo de Deus a usufruir prazeres transitórios do pecado;

[26] porquanto considerou o opróbrio de Cristo por maiores riquezas do que os

[17] Ngokukholwa u-Abrahama evivinywa wanikela ngo-Isaka, yebo, yena owayamukele izithembiso, wanikela ngozelwe yedwa wakhe,

[18]okwathiwa kuye: Inzalo yakho iyakubizwa ngo-Isaka,

[19]ethi uNkulunkulu unamandla okuvusa nakwabafileyo; ngokulinganisa wabuye wamthola futhi evela khona.

[20] Ngokukholwa u-Isaka wabusisa oJakobe no-Esawu ngezinto ebezizakuza.

[21] Ngokukholwa uJakobe esezakufa wabusisa leyo naleyo yamadodana kaJosefa, wakhuleka encikile esihlokweni sodondolo lwakhe.

[22] Ngokukholwa uJosefa esezakufa wakhuluma ngokuphuma kwabantwana bakwa-Israyeli, wayaleza ngamathambo akhe.

[23] Ngokukholwa uMose esezelwe wafihlwa ngabazali bakhe izinyanga ezintathu, ngokuba bembona engumntwana omuhle; abawesabanga umyalo wenkosi.

[24] Ngokukholwa uMose esekhulile wala ukubizwa ngokuthi indodana yendodakazi kaFaro;

[25] kunalokho wakhetha ukuphathwa kabi kanye nabantu bakaNkulunkulu kunokuba athokoze isikhashana esonweni,

[26]ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulu kunengcebo

tesouros do Egito, porque contemplava o galardão.

27 Pela fé, ele abandonou o Egito, não ficando amedrontado com a cólera do rei; antes, permaneceu firme como quem vê aquele que é invisível.

28 Pela fé, celebrou a Páscoa e o derramamento do sangue, para que o exterminador não tocasse nos primogênitos dos israelitas.

29 Pela fé, atravessaram o mar Vermelho como por terra seca; tentando-o os egípcios, foram tragados de todo.

30 Pela fé, ruíram as muralhas de Jericó, depois de rodeadas por sete dias.

31 Pela fé, Raabe, a meretriz, não foi destruída com os desobedientes, porque acolheu com paz aos espias.

32 E que mais direi? Certamente, me faltará o tempo necessário para referir o que há a respeito de Gideão, de Baraque, de Sansão, de Jefté, de Davi, de Samuel e dos profetas,

33 os quais, por meio da fé, subjugaram reinos, praticaram a justiça, obtiveram promessas, fecharam a boca de leões,

34 extinguiram a violência do fogo, escaparam ao fio da espada, da fraqueza tiraram força, fizeram-se poderosos em guerra, puseram em fuga exércitos de estrangeiros.

35 Mulheres receberam, pela ressurreição, os seus mortos. Alguns foram torturados,

yaseGibithe, ngokuba wayebheke umvuzo.

27 Ngokukholwa washiya iGibithe engesabi ulaka lwenkosi; ngokuba wakhuthazela sengathi uyambona ongabonwayo.

28 Ngokukholwa wamisa iPhasika nokufafaza ngegazi, ukuze umbhubhisi angathinti amazibulo abo.

29 Ngokukholwa badabula uLwandle Olubomvu kungathi kusemhlabathini owomileyo, okwathi abaseGibithe bekulinga lokho, baminza.

30 Ngokukholwa izingange zaseJeriko zawa, sezizungeziwe izinsuku eziyisikhombisa.

31 Ngokukholwa, uRahabi isifebe, akabhubhanga kanye nabangalalelanga, esezamukele izinhloli ngokuthula.

32 Ngisezakuthini futhi na? Isikhathi kambe sizakungishiya, uma ngibalisa ngoGideyoni, noBaraki, noSamsoni, noJefta, noDavide, noSamuweli nabaprofethi,

33 abathi ngokukholwa banqoba imibuso, basebenza ukulunga, bazuza izithembiso, bavimba imilomo yezingonyama,

34 bacima amandla omlilo, baphepha osikweni lwenkemba, baphiwa amandla ebuthakathakeni, baba yiziqhwaga empini, baxosha izimpi zabezizwe.

35 Abesifazane bamukeliswa abafileyo babo bevusiwe; abanye bahlushwa,

não aceitando seu resgate, para obterem superior ressurreição;
[36] outros, por sua vez, passaram pela prova de escárnios e açoites, sim, até de algemas e prisões.
[37] Foram apedrejados, provados, serrados pelo meio, mortos a fio de espada; andaram peregrinos, vestidos de peles de ovelhas e de cabras, necessitados, afligidos, maltratados
[38] (homens dos quais o mundo não era digno), errantes pelos desertos, pelos montes, pelas covas, pelos antros da terra.
[39] Ora, todos estes que obtiveram bom testemunho por sua fé não obtiveram, contudo, a concretização da promessa,
[40] por haver Deus provido coisa superior a nosso respeito, para que eles, sem nós, não fossem aperfeiçoados.

Hebreus 12

Devemos imitar o exemplo de Cristo, que foi perseverante em meio às provações

[1] Portanto, também nós, visto que temos a rodear-nos tão grande nuvem de testemunhas, desembaraçando-nos de todo peso e do pecado que tenazmente nos assedia, corramos, com perseverança, a carreira que nos está proposta,
[2] olhando firmemente para o Autor e Consumador da fé, Jesus, o qual, em troca da alegria que lhe estava proposta, suportou a cruz, não fazendo caso da ignomínia, e está assentado à destra do trono de Deus.

kabavuma ukukhululwa, ukuze bathole ukuvuka okuhle;
[36] abanye balingwa ngokujivazwa nokushaywa, yebo, nokuboshwa nokufakwa etilongweni;
[37] bakhandwa ngamatshe, banqunywa ngesaha, balingwa, babulawa ngenkemba, bazulazula bembethe izikhumba zezimvu nezezimbuzi, beswela, behlushwa, bephathwa kabi,
[38] izwe elingabafanele bona, behamba emahlane, nasezintabeni, nasemihumeni, nasemigedeni yomhlaba.
[39]Labo bonke, befakazelwe ngokukholwa, abazuzanga isithembiso,
[40]ngokuba uNkulunkulu wayesibonele okuhle kunalokho, ukuze bangaphelelisiwa ngaphandle kwethu.

KumaHeberu 12

Ukubekezela ezinhluphekweni

[1] Ngalokho-ke nathi, lokhu sinefu elingaka lawofakazi elisihaqileyo, masilahle konke okusindayo nesono esithandela kangaka kithi, sigijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo,
[2] sibhekile kuJesu, umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, owathi esikhundleni sentokozo ayibekelweyo wathwala isiphambano engalinaki ihlazo, wahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu.

[3] Considerai, pois, atentamente, aquele que suportou tamanha oposição dos pecadores contra si mesmo, para que não vos fatigueis, desmaiando em vossa alma.

[3] Yebo, mqondeni yena owakhuthazela ephikwa kangaka yizoni, ukuze ningakhathali, niphele amandla emiphefumulweni yenu.

As provações revelam o amor paternal de Deus para com seus filhos

[4] Ora, na vossa luta contra o pecado, ainda não tendes resistido até ao sangue

[4]Anikamelani nezono nilwa kuze kube segazini;

[5] e estais esquecidos da exortação que, como a filhos, discorre convosco: Filho meu, não menosprezes a correção que vem do SENHOR, nem desmaies quando por ele és reprovado;

[5] senikhohliwe umyalo okhuluma kinina njengakubantwana wokuthi: Ndodana yami, ungadeleli ukulaya kweNkosi, uphele amandla, nxa usolwa yiyo,

[6] porque o SENHOR corrige a quem ama e açoita a todo filho a quem recebe.

[6]ngokuba iNkosi iyamlaya emthandayo ishaye yileyo naleyo ndodana eyamukelayo.

[7] É para disciplina que perseverais (Deus vos trata como filhos); pois que filho há que o pai não corrige?

[7]Bekezelani ekulayweni; uNkulunkulu uyaniphathisa okwabantwana, ngokuba yiyiphi indodana engalaywa nguyise na?

[8] Mas, se estais sem correção, de que todos se têm tornado participantes, logo, sois bastardos e não filhos.

[8]Kepha uma ningalaywa, abathe bonke benziwa abahlanganyeli kukho, khona-ke ningabesihlahla, anisiwo amadodana.

[9] Além disso, tínhamos os nossos pais segundo a carne, que nos corrigiam, e os respeitávamos; não havemos de estar em muito maior submissão ao Pai espiritual e, então, viveremos?

[9] Futhi-ke sasinawobaba bethu benyama abasilayayo, sabazisa; pho, asiyikuthobela uYise wawomoya kakhulu kunalokho, siphile, na?

[10] Pois eles nos corrigiam por pouco tempo, segundo melhor lhes parecia; Deus, porém, nos disciplina para aproveitamento, a fim de sermos participantes da sua santidade.

[10]Ngokuba bona kambe basilaya izinsukwana njengokubona kwabo, kepha yena kube yinsizakalo, size sithole ukuhlanganyela ubungcwele bakhe.

[11] Toda disciplina, com efeito, no momento não parece ser motivo de alegria, mas de tristeza; ao depois, entretanto, produz fruto pacífico aos que

[11] Ukulaya konke okwamanje kungathi akusikho okwentokozo, kepha kungokosizi, kodwa ngasemuva

têm sido por ela exercitados, fruto de justiça.

[12] Por isso, restabelecei as mãos descaídas e os joelhos trôpegos;

[13] e fazei caminhos retos para os pés, para que não se extravie o que é manco; antes, seja curado.

A exortação à paz e à pureza

[14] Segui a paz com todos e a santificação, sem a qual ninguém verá o SENHOR,

[15] atentando, diligentemente, por que ninguém seja faltoso, separando-se da graça de Deus; nem haja alguma raiz de amargura que, brotando, vos perturbe, e, por meio dela, muitos sejam contaminados;

[16] nem haja algum impuro ou profano, como foi Esaú, o qual, por um repasto, vendeu o seu direito de primogenitura.

[17] Pois sabeis também que, posteriormente, querendo herdar a bênção, foi rejeitado, pois não achou lugar de arrependimento, embora, com lágrimas, o tivesse buscado.

O contraste entre Sinai e Sião

[18] Ora, não tendes chegado ao fogo palpável e ardente, e à escuridão, e às trevas, e à tempestade,

[19] e ao clangor da trombeta, e ao som de palavras tais, que quantos o ouviram suplicaram que não se lhes falasse mais,

kuyabathelela isithelo esihle sokulunga labo abahlakahliswe yikho.

Qinisani izandla ezibuthakathaka namadolo axegayo

[12] Ngakho-ke qinisani izandla ezibuthakathaka namadolo axegayo,

[13] nenzele izinyawo zenu izindlela eziqondileyo ukuba okuqhugayo kungaphinyizeki, kepha kunalokho kuphulukiswe.

[14] Zamelani ukuthula nabo bonke kanye nokungcweliswa, ongenakho angeyibone iNkosi;

[15] niqaphelisise kungabikho osilelayo emseni kaNkulunkulu, funa kumile impande imbe ebabayo, inixobise, kungcoliswe abaningi yiyo,

[16] kungabikho oyisifebe noma odumazayo njengo-Esawu owathengisa ubuzibulo bakhe ngesidlo sinye nje.

[17] Ngokuba niyazi ukuthi, nokuba ngasemuva ethanda ukudla ifa lesibusiso, waliwa, ngokuba akalitholanga ithuba lokuphenduka, noma ekufunisisa ngezinyembezi.

[18] Ngokuba anizanga entabeni ephathekayo nesha umlilo, nasekufiphaleni, nasebumnyameni, nasesivunguvungwini,

[19]nasekukhaleni kwecilongo, nasekuzwakaleni kwamazwi, abathe ukukuzwa, bancenga ukuba kungabe kusakhulunywa izwi kubo,

[20] pois já não suportavam o que lhes era ordenado: Até um animal, se tocar o monte, será apedrejado.

[21] Na verdade, de tal modo era horrível o espetáculo, que Moisés disse: Sinto-me aterrado e trêmulo!

[22] Mas tendes chegado ao monte Sião e à cidade do Deus vivo, a Jerusalém celestial, e a incontáveis hostes de anjos, e à universal assembléia

[23] e igreja dos primogênitos arrolados nos céus, e a Deus, o Juiz de todos, e aos espíritos dos justos aperfeiçoados,

[24] e a Jesus, o Mediador da nova aliança, e ao sangue da aspersão que fala coisas superiores ao que fala o próprio Abel.

[25] Tende cuidado, não recuseis ao que fala. Pois, se não escaparam aqueles que recusaram ouvir quem, divinamente, os advertia sobre a terra, muito menos nós, os que nos desviamos daquele que dos céus nos adverte,

[26] aquele, cuja voz abalou, então, a terra; agora, porém, ele promete, dizendo: Ainda uma vez por todas, farei abalar não só a terra, mas também o céu.

[27] Ora, esta palavra: Ainda uma vez por todas significa a remoção dessas coisas abaladas, como tinham sido feitas, para que as coisas que não são abaladas permaneçam.

[20]ngokuba babengenakukuthwala lokho abayalwa ngakho kokuthi: Ngisho nesilwane, uma sithinta intaba, siyakukhandwa ngamatshe,

[21] yebo, umbono wesabeka kangaka, waze wathi uMose: Nginovalo olukhulu, ngiyathuthumela,

[22] kodwa nize entabeni yaseSiyoni nasemzini kaNkulunkulu ophilayo, iJerusalema lasezulwini, nasezigidigidini zezingelosi,

[23] nasebandleni lamazibulo abhaliwe ezulwini, nakuNkulunkulu, uMahluleli wabo bonke, nakuyo imimoya yabalungileyo abaphelelisiweyo,

[24] nakuJesu, umlamuleli wesivumelwano esisha, nasegazini lokufafaza elikhuluma okukhulu kunelika-Abela.

[25] Bhekani, ningamali okhulumayo; ngokuba uma bengaphunyukanga labo ababemala lowo owabaxwayisa emhlabeni, kakhulu asiyikuphunyuka thina esimfulathelayo oxwayisa esezulwini,

[26] ozwi lakhe lanyakazisa umhlaba ngaleso sikhathi, kepha manje uthembisile wathi: Kusezakuba kanye ngizamazamise kungabi ngumhlaba wodwa, kepha nezulu futhi.

[27] Lokho kokuthi: Kusezakuba kanye kutshengisa ukuguqulwa kwezinto ezinyakaziswayo, njengokuba zenziwe, ukuze lezo ezinganyakaziswayo zime.

[28] Por isso, recebendo nós um reino inabalável, retenhamos a graça, pela qual sirvamos a Deus de modo agradável, com reverência e santo temor;

[29] porque o nosso Deus é fogo consumidor.

Hebreus 13

Os deveres sociais

[1] Seja constante o amor fraternal.

[2] Não negligencieis a hospitalidade, pois alguns, praticando-a, sem o saber acolheram anjos.

[3] Lembrai-vos dos encarcerados, como se presos com eles; dos que sofrem maus tratos, como se, com efeito, vós mesmos em pessoa fôsseis os maltratados.

[4] Digno de honra entre todos seja o matrimônio, bem como o leito sem mácula; porque Deus julgará os impuros e adúlteros.

[5] Seja a vossa vida sem avareza. Contentai-vos com as coisas que tendes; porque ele tem dito: De maneira alguma te deixarei, nunca jamais te abandonarei.

[6] Assim, afirmemos confiantemente: O SENHOR é o meu auxílio, não temerei; que me poderá fazer o homem?

Os deveres espirituais

[7] Lembrai-vos dos vossos guias, os quais vos pregaram a palavra de Deus; e, considerando atentamente o fim da sua vida, imitai a fé que tiveram.

[28] Ngakho-ke lokhu samukeliswa umbuso ongenakunyakaziswa, masibonge ngesingamkhonza ngakho uNkulunkulu ngokumthokozisa, nangokumhlonipha, nangokuthuthumela,

[29] ngokuba uNkulunkulu wethu ungumlilo oqothulayo.

KumaHeberu 13

Imiyalo eyizinhlobonhlobo

[1] Malume njalo uthando lobuzalwane.

[2] Ningakhohlwa ukungenisa izihambi ngokuba ngalokho abanye bangenisa izingelosi bengazi.

[3] Bakhumbuleni ababoshiweyo kungathi niboshiwe kanye nabo, nabaphethwe kabi, njengalokhu nani nisemzimbeni.

[4] Ukuganana makuhlonishwe yibo bonke, umbhede ungabi nasisihla, ngokuba izifebe neziphingi uNkulunkulu uyakuzahlulela.

[5] Ukwenza kwenu makungabi ngokokufisa imali; yaneliswani ngeninakho; ngokuba yena ushilo wathi: Angisoze ngakuyeka, angisoze ngakushiya,

[6]ukuze sisho ngesibindi, sithi: INkosi ingumsizi wami, angiyikwesaba; umuntu angangenzani na?

[7] Bakhumbuleni ababenihola bekhuluma izwi likaNkulunkulu kini, niqonda ukuphela kokuhamba kwabo, nilingise ukukholwa kwabo.

[8] Jesus Cristo, ontem e hoje, é o mesmo e o será para sempre.

[9] Não vos deixeis envolver por doutrinas várias e estranhas, porquanto o que vale é estar o coração confirmado com graça e não com alimentos, pois nunca tiveram proveito os que com isto se preocuparam.

[10] Possuímos um altar do qual não têm direito de comer os que ministram no tabernáculo.

[11] Pois aqueles animais cujo sangue é trazido para dentro do Santo dos Santos, pelo sumo sacerdote, como oblação pelo pecado, têm o corpo queimado fora do acampamento.

[12] Por isso, foi que também Jesus, para santificar o povo, pelo seu próprio sangue, sofreu fora da porta.

[13] Saiamos, pois, a ele, fora do arraial, levando o seu vitupério.

[14] Na verdade, não temos aqui cidade permanente, mas buscamos a que há de vir.

[15] Por meio de Jesus, pois, ofereçamos a Deus, sempre, sacrifício de louvor, que é o fruto de lábios que confessam o seu nome.

[16] Não negligencieis, igualmente, a prática do bem e a mútua cooperação; pois, com tais sacrifícios, Deus se compraz.

[17] Obedecei aos vossos guias e sede submissos para com eles; pois velam por vossa alma, como quem deve prestar contas, para que façam isto com alegria e

[8]UJesu Kristu nguyena izolo nanamuhla, yebo, naphakade.

[9] Ningadukiswa yizifundiso eziyizinhlobonhlobo nezingaziwayo; ngokuba kuhle ukuba inhliziyo iqiniswe ngomusa, kungabi ngokudla, abangasizakalanga ngakho abahamba ngakho.

[10] Sine-altare thina, abangenalungelo lokudla kulo abakhonza etabernakele.

[11] Ngokuba izidumbu zalezo zilwane ezigazi lazo lingeniswa ngumpristi omkhulu endaweni engcwele ngenxa yezono zishiswa ngaphandle kwekamu.

[12] Ngakho-ke naye uJesu, ukuze angcwelise abantu ngegazi lakhe, wahlupheka ngaphandle kwesango.

[13]Masiphumele kuye ngaphandle kwekamu, sithwale ihlazo lakhe.

[14] Ngokuba lapha asinamuzi omiyo, kepha siyawufuna ozayo.

[15] Masinikele njalonjalo kuNkulunkulu ngaye umhlatshelo wokubonga, okungukuthi isithelo sezindebe ezivuma igama lakhe.

[16]Kepha maningakhohlwa ukwenza okuhle nokuphana, ngokuba iminikelo enjalo uNkulunkulu uthokoziswa yiyo.

[17] Lalelani abaniholayo, nibathobele, ngokuba balinda imiphefumulo yenu njengabazakulandiswa ngayo, ukuze bakwenze lokhu ngokujabula,

não gemendo; porque isto não aproveita a vós outros.

Algumas recomendações pessoais

[18] Orai por nós, pois estamos persuadidos de termos boa consciência, desejando em todas as coisas viver condignamente.

[19] Rogo-vos, com muito empenho, que assim façais, a fim de que eu vos seja restituído mais depressa.

[20] Ora, o Deus da paz, que tornou a trazer dentre os mortos a Jesus, nosso SENHOR, o grande Pastor das ovelhas, pelo sangue da eterna aliança,

[21] vos aperfeiçoe em todo o bem, para cumprirdes a sua vontade, operando em vós o que é agradável diante dele, por Jesus Cristo, a quem seja a glória para todo o sempre. Amém!

[22] Rogo-vos ainda, irmãos, que suporteis a presente palavra de exortação; tanto mais quanto vos escrevi resumidamente.

[23] Notifico-vos que o irmão Timóteo foi posto em liberdade; com ele, caso venha logo, vos verei.

[24] Saudai todos os vossos guias, bem como todos os santos. Os da Itália vos saúdam.

[25] A graça seja com todos vós.

bangabubuli, ngokuba lokhu akunakunisiza.

Isigcino

[18] Sikhulekeleni, ngokuba siyethemba ukuthi sinonembeza omuhle, sithanda ukuhamba kahle ezintweni zonke.

[19]Ngiyaniyala kakhulu ukuba nenze lokho, ukuze ngibuyiselwe kini masinyane.

[20] Kepha uNkulunkulu wokuthula owakhuphula kwabafileyo umalusi omkhulu wezimvu ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNkosi yethu uJesu,

[21] makaniphelelise kukho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe, esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe ngoJesu Kristu; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

[22]Ngiyaniyala, bazalwane, lamukeleni kahle izwi lokuyala, ngokuba nginilobele ngokufushane.

[23]Yazini ukuthi umfowethu uThimothewu ukhululiwe; uma efika masinyane, ngiyakunibona sinaye.

[24]Khonzani kubo bonke abaniholayo nakubo bonke abangcwele. Abase-Italiya bayakhonza kini.

[25]Umusa mawube nani nonke. Amen.

Epístola de Tiago	EkaJakobe

Tiago 1

Prefácio e saudação

1 Tiago, servo de Deus e do SENHOR Jesus Cristo, às doze tribos que se encontram na Dispersão, saudações.

Os benefícios das provações

2 Meus irmãos, tende por motivo de toda alegria o passardes por várias provações,

3 sabendo que a provação da vossa fé, uma vez confirmada, produz perseverança.

4 Ora, a perseverança deve ter ação completa, para que sejais perfeitos e íntegros, em nada deficientes.

Como obter a sabedoria

5 Se, porém, algum de vós necessita de sabedoria, peça-a a Deus, que a todos dá liberalmente e nada lhes impropera; e ser-lhe-á concedida.

6 Peça-a, porém, com fé, em nada duvidando; pois o que duvida é semelhante à onda do mar, impelida e agitada pelo vento.

7 Não suponha esse homem que alcançará do SENHOR alguma coisa;

8 homem de ânimo dobre, inconstante em todos os seus caminhos.

As circunstâncias terrenas são transitórias

9 O irmão, porém, de condição humilde glorie-se na sua dignidade,

10 e o rico, na sua insignificância, porque ele passará como a flor da erva.

EkaJakobe 1

Isibingelelo

1 UJakobe, inceku kaNkulunkulu neyeNkosi uJesu Kristu, uyakhonza kuzo izizwe eziyishumi nambili ezihlakazekileyo.

Ukuyala ngezilingo

2 Bazalwane bami, nxa nehlelwa yizilingo ngezilingo, anothi kungukuthokoza kodwa,

3 nazi ukuthi ukuvivinywa kokukholwa kwenu kuveza ukukhuthazela.

4 Kepha ukukhuthazela makube nomsebenzi opheleleyo, ukuze nibe ngabapheleleyo nabangenacala abangasweli lutho.

5 Uma-ke kukhona kini oswela ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngobuhle engajakadi, khona uyakuphiwa.

6 Kepha makacele ngokukholwa engangabazi ngalutho; ngokuba ongabazayo unjengedlambi lolwandle eliqhutshwa, ligujiswa ngumoya.

7 Ngakho makangasho lowo muntu ukuthi uyakwamukeliswa utho yiNkosi,

8 umuntu onhliziyombili oguquguqukayo ezindleleni zakhe zonke.

9 Umzalwane ophansi makazincome ngokuphakama kwakhe,

10 kepha oyisicebi makazincome ngobuphansi bakhe, ngokuba njengembali yotshani uyakudlula.

[11] Porque o sol se levanta com seu ardente calor, e a erva seca, e a sua flor cai, e desaparece a formosura do seu aspecto; assim também se murchará o rico em seus caminhos.

A origem do pecado

[12] Bem-aventurado o homem que suporta, com perseverança, a provação; porque, depois de ter sido aprovado, receberá a coroa da vida, a qual o SENHOR prometeu aos que o amam.

[13] Ninguém, ao ser tentado, diga: Sou tentado por Deus; porque Deus não pode ser tentado pelo mal e ele mesmo a ninguém tenta.

[14] Ao contrário, cada um é tentado pela sua própria cobiça, quando esta o atrai e seduz.

[15] Então, a cobiça, depois de haver concebido, dá à luz o pecado; e o pecado, uma vez consumado, gera a morte.

A origem do bem

[16] Não vos enganeis, meus amados irmãos.

[17] Toda boa dádiva e todo dom perfeito são lá do alto, descendo do Pai das luzes, em quem não pode existir variação ou sombra de mudança.

[18] Pois, segundo o seu querer, ele nos gerou pela palavra da verdade, para que fôssemos como que primícias das suas criaturas.

A prática da palavra de Deus

[19] Sabeis estas coisas, meus amados irmãos. Todo homem, pois, seja pronto para ouvir, tardio para falar, tardio para se irar.

[11] Ngokuba ilanga liphuma libalele, libunisa utshani, imbali yabo iwele phansi, nobuhle besimo sabo bunyamalale; kanjalo nesicebi siyakudlula ezindleleni zaso.

[12] Ubusisiwe umuntu okhuthazela ekulingweni; ngokuba esevivinyekile uyakwamukeliswa umqhele wokuphila othenjisiwe yiNkosi kwabayithandayo.

[13]Umuntu oyengwayo makangasho ukuthi: Ngiyengwa nguNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu angeyengwe ngokubi, naye uqobo akayengi muntu.

[14] Kepha yilowo nalowo uyengwa ehuhwa ngezakhe izinkanuko, ehungwa;

[15] uma inkanuko isithathile, ibeletha isono; nesono sesiphelelisiwe, sizala ukufa.

[16]Ningadukiswa, bazalwane bami abathandekayo.

[17] Izipho zonke ezinhle neziphiwo zonke ezipheleleyo zivela phezulu, zehla kuYise wokukhanya okungekho kuye ukuguquka nasithunzi sokuphenduka.

[18]Ngokuthanda kwakhe wasizala ngezwi leqiniso, ukuze sibe ngabokuqala bezidalwa zakhe.

Ukuyala ngokukholwa okunezenzo

[19] Niyakwazi lokho, bazalwane bami abathandekayo. Yilowo nalowo muntu makasheshe ukuzwa, aphuze ukukhuluma, aphuze ukuthukuthela;

[20] Porque a ira do homem não produz a justiça de Deus.

[21] Portanto, despojando-vos de toda impureza e acúmulo de maldade, acolhei, com mansidão, a palavra em vós implantada, a qual é poderosa para salvar a vossa alma.

[22] Tornai-vos, pois, praticantes da palavra e não somente ouvintes, enganando-vos a vós mesmos.

[23] Porque, se alguém é ouvinte da palavra e não praticante, assemelha-se ao homem que contempla, num espelho, o seu rosto natural;

[24] pois a si mesmo se contempla, e se retira, e para logo se esquece de como era a sua aparência.

[25] Mas aquele que considera, atentamente, na lei perfeita, lei da liberdade, e nela persevera, não sendo ouvinte negligente, mas operoso praticante, esse será bem-aventurado no que realizar.

[26] Se alguém supõe ser religioso, deixando de refrear a língua, antes, enganando o próprio coração, a sua religião é vã.

[27] A religião pura e sem mácula, para com o nosso Deus e Pai, é esta: visitar os órfãos e as viúvas nas suas tribulações e a si mesmo guardar-se incontaminado do mundo.

Tiago 2

Não se deve fazer acepção de pessoas

[20]ngokuba ulaka lomuntu alusebenzi ukulunga kukaNkulunkulu.

[21]Ngakho lahlani yonke insila nokubi okuvamileyo, namukele ngomoya omnene izwi elitshaliweyo elinamandla okusindisa imiphefumulo yenu.

[22] Yibani ngabalenzayo izwi, ningabi ngabalizwayo kuphela, nizikhohlisa.

[23] Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engesiye olenzayo, lowo ufana nomuntu obuka ubuso bakhe bemvelo esibukweni;

[24]ngokuba uyazibuka, amuke, akhohlwe masinyane ukuthi wayengonjani.

[25] Kepha obukisisa emthethweni opheleleyo wenkululeko nohlala kuwo, engesiye ozwayo nje akhohlwe, kodwa engowenzayo asebenze, lowo uzakuba ngobusisiweyo ekwenzeni kwakhe.

[26] Uma umuntu esho ukuthi uyikholwa, engabophi ulimi lwakhe kungathi ngetomu kodwa ekhohlisa inhliziyo yakhe, ukukhonza kwalowo kuyize.

[27] Ukukhonza okumhlophe okungenabala phambi kukaNkulunkulu uBaba yilokhu ukuhambela izintandane nabafelokazi osizini lwabo nokuzigcina kungabi yicala lokwezwe.

EkaJakobe 2

Abazalwane mabangakhethi abantu

[1] Meus irmãos, não tenhais a fé em nosso SENHOR Jesus Cristo, SENHOR da glória, em acepção de pessoas.

[2] Se, portanto, entrar na vossa sinagoga algum homem com anéis de ouro nos dedos, em trajos de luxo, e entrar também algum pobre andrajoso,

[3] e tratardes com deferência o que tem os trajos de luxo e lhe disserdes: Tu, assenta-te aqui em lugar de honra; e disserdes ao pobre: Tu, fica ali em pé ou assenta-te aqui abaixo do estrado dos meus pés,

[4] não fizestes distinção entre vós mesmos e não vos tornastes juízes tomados de perversos pensamentos?

[5] Ouvi, meus amados irmãos. Não escolheu Deus os que para o mundo são pobres, para serem ricos em fé e herdeiros do reino que ele prometeu aos que o amam?

[6] Entretanto, vós outros menosprezastes o pobre. Não são os ricos que vos oprimem e não são eles que vos arrastam para tribunais?

[7] Não são eles os que blasfemam o bom nome que sobre vós foi invocado?

[8] Se vós, contudo, observais a lei régia segundo a Escritura: Amarás o teu próximo como a ti mesmo, fazeis bem;

[9] se, todavia, fazeis acepção de pessoas, cometeis pecado, sendo argüidos pela lei como transgressores.

[1] Bazalwane bami, ukukholwa kwenu yiNkosi yethu yenkazimulo uJesu Kristu makungabi nokukhetha abantu.

[2]Ngokuba uma kungena esinagogeni lenu umuntu onendandatho yegolide nezingubo ezicwebezelayo, kungene nompofu onezingubo ezimbi,

[3]nimbheke ogqokile izingubo ezicwebezelayo, nithi: Hlala lapha wena kulendawo enhle, besenithi kompofu: Yima lapho wena, noma: Hlala phansi kwesenabelo sezinyawo zami,

[4]anikhethi yini, nibe ngabahluleli abanezizindlo ezimbi na?

[5] Yizwani, bazalwane bami abathandekayo. UNkulunkulu akakhethanga yini abampofu ezweni babe ngabacebileyo ekukholweni nezindlalifa zombuso awuthembisa bona abamthandayo na?

[6] Kepha nina namdumaza ompofu. Abacebileyo abanicindezeli yini, abanihuduleli emacaleni na?

[7]Abahlambalazi igama elihle enibizwa ngalo na?

[8] Kepha uma nigcina umthetho wobukhosi ngokombhalo wokuthi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena, nenza kahle;

[9] kodwa uma nikhetha abantu, nenza isono, nilahlwa ngumthetho njengabaweqayo.

[10] Pois qualquer que guarda toda a lei, mas tropeça em um só ponto, se torna culpado de todos.
[11] Porquanto, aquele que disse: Não adulterarás também ordenou: Não matarás. Ora, se não adulteras, porém matas, vens a ser transgressor da lei.
[12] Falai de tal maneira e de tal maneira procedei como aqueles que hão de ser julgados pela lei da liberdade.

[13] Porque o juízo é sem misericórdia para com aquele que não usou de misericórdia. A misericórdia triunfa sobre o juízo.

A fé sem obras é morta

[14] Meus irmãos, qual é o proveito, se alguém disser que tem fé, mas não tiver obras? Pode, acaso, semelhante fé salvá-lo?
[15] Se um irmão ou uma irmã estiverem carecidos de roupa e necessitados do alimento cotidiano,

[16] e qualquer dentre vós lhes disser: Ide em paz, aquecei-vos e fartai-vos, sem, contudo, lhes dar o necessário para o corpo, qual é o proveito disso?

[17] Assim, também a fé, se não tiver obras, por si só está morta.

[18] Mas alguém dirá: Tu tens fé, e eu tenho obras; mostra-me essa tua fé sem as obras, e eu, com as obras, te mostrarei a minha fé.

[10] Ngokuba ogcina wonke umthetho kepha akhubeke kowodwa, unecala kuyo yonke.
[11] Ngokuba yena owathi: Ungaphingi, wathi futhi: Ungabulali, uma-ke ungaphingi kepha ubulale, ungoweqa umthetho.
[12] Khulumani kanjalo, nenze kanjalo njengokufanele abayakwahlulelwa ngomthetho wenkululeko.
[13] Ngokuba ukwahlulelwa okungenasihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu; isihawu sizigabisa ekwahlulelweni.

Ukukholwa kufanele kube nezenzo

[14] Kusizani, bazalwane bami, uma umuntu ethi unokukholwa, kepha engenayo imisebenzi na? Ukukholwa kungamsindisa na?
[15] Uma umzalwane noma umzalwanekazi behamba ze, beswela ukudla kwemihla ngemihla,
[16] kusho omunye kini kubo ukuthi: Hambani nibe nokuthula, nifudumale; nisuthe, kepha ningabaphi lokho okudingwa ngumzimba, lokhu kusizani na?
[17]Kanjalo-ke nokukholwa, uma kungenayo imisebenzi, kufile ngokwakho.
[18]Kepha omunye uyakuthi: Wena unokukholwa, mina nginemisebenzi, ngibonise ukukholwa kwakho ngaphandle kwemisebenzi, nami ngizakukukhombisa ukukholwa ngemisebenzi yami.

[19] Crês, tu, que Deus é um só? Fazes bem. Até os demônios crêem e tremem.

[20] Queres, pois, ficar certo, ó homem insensato, de que a fé sem as obras é inoperante?

[21] Não foi por obras que Abraão, o nosso pai, foi justificado, quando ofereceu sobre o altar o próprio filho, Isaque?

[22] Vês como a fé operava juntamente com as suas obras; com efeito, foi pelas obras que a fé se consumou,

[23] e se cumpriu a Escritura, a qual diz: Ora, Abraão creu em Deus, e isso lhe foi imputado para justiça; e: Foi chamado amigo de Deus.

[24] Verificais que uma pessoa é justificada por obras e não por fé somente.

[25] De igual modo, não foi também justificada por obras a meretriz Raabe, quando acolheu os emissários e os fez partir por outro caminho?

[26] Porque, assim como o corpo sem espírito é morto, assim também a fé sem obras é morta.

Tiago 3

Os pecados da língua e o dever de refreá-la

[1] Meus irmãos, não vos torneis, muitos de vós, mestres, sabendo que havemos de receber maior juízo.

[19] Wena uyakholwa ukuthi uNkulunkulu munye na? Wenza kahle; namademoni ayakholwa, athuthumele.

[20]Kepha wena muntu ongelutho uyathanda ukuqonda ukuthi ukukholwa ngaphandle kwemisebenzi kuyize na?

[21] U-Abrahama ubaba wayengalungisiswa yini ngemisebenzi enikela ngendodana yakhe u-Isaka e-altare na?

[22]Uyabona ukuthi ukukholwa kwasebenza kanye nemisebenzi yakhe nokuthi ukukholwa kwapheleliswa ngemisebenzi,

[23]kwagcwaliseka umbhalo othi: Kepha u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, wabizwa ngokuthi umhlobo kaNkulunkulu.

[24] Niyabona ukuthi umuntu uyalungisiswa ngemisebenzi, kungengokukholwa kuphela.

[25] Kanjalo-ke noRahabi isifebe wayengalungisiswa ngemisebenzi yini, ezamukele izithunywa eziphumisa ngenye indlela na?

[26]Ngokuba njengalokhu umzimba ngaphandle komoya ufile, kanjalo nokukholwa ngaphandle kwemisebenzi kufile.

EkaJakobe 3

Izono zolimi

[1] Ningabi ngabafundisi abaningi, bazalwane bami, nazi ukuthi siyakwamukeliswa ukwahlulelwa okukhulu.

[2] Porque todos tropeçamos em muitas coisas. Se alguém não tropeça no falar, é perfeito varão, capaz de refrear também todo o corpo.

[2] Ngokuba sonke siyakhubeka ngokuningi; uma umuntu engakhubeki ngazwi, lowo uyindoda epheleleyo enamandla okubamba nomzimba wonke kungathi ngetomu.

[3] Ora, se pomos freio na boca dos cavalos, para nos obedecerem, também lhes dirigimos o corpo inteiro.

[3]Uma-ke sifaka amatomu emilonyeni yamahashi ukuba asilalele, siqondisa nomzimba wonke wawo.

[4] Observai, igualmente, os navios que, sendo tão grandes e batidos de rijos ventos, por um pequeníssimo leme são dirigidos para onde queira o impulso do timoneiro.

[4]Bhekani nemikhumbi, ingaka nje, iqhutshwa yimimoya enamandla, iqondiswa ngephini elincinyane, lapho umshayeli efuna ukuyiqondisa khona.

[5] Assim, também a língua, pequeno órgão, se gaba de grandes coisas. Vede como uma fagulha põe em brasas tão grande selva!

[5] Lunjalo nolimi; luyisitho esincane, kanti luyazigabisa kakhulu. Bhekani umlilo omncane uvuthisa ihlathi elingaka;

[6] Ora, a língua é fogo; é mundo de iniqüidade; a língua está situada entre os membros de nosso corpo, e contamina o corpo inteiro, e não só põe em chamas toda a carreira da existência humana, como também é posta ela mesma em chamas pelo inferno.

[6] nolimi lungumlilo, ulimi lumi luyizwe lokungalungi phakathi kwezitho zethu, lungcolisa umzimba wonke, luthungela ukuphila konke, luthungelwa yisihogo.

[7] Pois toda espécie de feras, de aves, de répteis e de seres marinhos se doma e tem sido domada pelo gênero humano;

[7]Ngokuba yonke imvelo yezilwane, neyezinyoni, neyezikhasayo, neyeziselwandle iyathanjiswa, yebo, yathanjiswa ngemvelo yabantu;

[8] a língua, porém, nenhum dos homens é capaz de domar; é mal incontido, carregado de veneno mortífero.

[8]kepha ulimi akakho kubantu onamandla okuluthambisa; lungububi obuyaluzayo, lugcwele isihlungu esibulalayo.

[9] Com ela, bendizemos ao SENHOR e Pai; também, com ela, amaldiçoamos os homens, feitos à semelhança de Deus.

[9] Ngalo sibonga iNkosi uBaba, nangalo siqalekisa abantu abenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu;

[10] De uma só boca procede bênção e maldição. Meus irmãos, não é conveniente que estas coisas sejam assim.
[11] Acaso, pode a fonte jorrar do mesmo lugar o que é doce e o que é amargoso?
[12] Acaso, meus irmãos, pode a figueira produzir azeitonas ou a videira, figos? Tampouco fonte de água salgada pode dar água doce.

A sabedoria lá do alto

[13] Quem entre vós é sábio e inteligente? Mostre em mansidão de sabedoria, mediante condigno proceder, as suas obras.

[14] Se, pelo contrário, tendes em vosso coração inveja amargurada e sentimento faccioso, nem vos glorieis disso, nem mintais contra a verdade.

[15] Esta não é a sabedoria que desce lá do alto; antes, é terrena, animal e demoníaca.

[16] Pois, onde há inveja e sentimento faccioso, aí há confusão e toda espécie de coisas ruins.
[17] A sabedoria, porém, lá do alto é, primeiramente, pura; depois, pacífica, indulgente, tratável, plena de misericórdia e de bons frutos, imparcial, sem fingimento.
[18] Ora, é em paz que se semeia o fruto da justiça, para os que promovem a paz.

Tiago 4

A origem das contendas

[10]emlonyeni munye kuphuma ukubusisa nokuqalekisa. Akufanele, bazalwane bami, ukuba lokho kube kanjalo.
[11]Umthombo uyakhipha yini amnandi nababayo emgodini munye na?
[12] Umkhiwane, bazalwane bami, ungaba namandla yini okuthela izithelo zomnqumo, noma umvini amakhiwane na? Amanzi kasawoti angeveze amnandi.

Ukuhlakanipha okuvela phezulu

[13] Ngubani ohlakaniphileyo nowaziyo phakathi kwenu na? Makakhombise ngenkambo enhle imisebenzi yakhe ngobumnene bokuhlakanipha.

[14] Kepha uma ninomhawu obabayo nombango ezinhliziyweni zenu, ningazibongi, ningaliqambeli iqiniso.

[15] Lokhu kuhlakanipha akusikho okwaphezulu kodwa kungokomhlaba, kungokwemvelo, kungokwamademoni;
[16] ngokuba lapho kukhona umhawu nombango, kukhona isiyaluyalu nezenzo zonke ezimbi.
[17]Kepha ukuhlakanipha okwaphezulu okokuqala kumhlophe, andukuba kube nokuthula, nokuva, nokulalela, kugcwele isihawu nezithelo ezinhle; akunakungabaza, akunakuzenzisa.
[18] Kepha isithelo sokulunga sihlwanyelwa ngokuthula kubo abakwenzayo ukuthula.

EkaJakobe 4

UJakobe uxwayisa ngokulwa, nangokuzidla, nangokuhleba

[1] De onde procedem guerras e contendas que há entre vós? De onde, senão dos prazeres que militam na vossa carne?

[2] Cobiçais e nada tendes; matais, e invejais, e nada podeis obter; viveis a lutar e a fazer guerras. Nada tendes, porque não pedis;

[3] pedis e não recebeis, porque pedis mal, para esbanjardes em vossos prazeres.

[4] Infiéis, não compreendeis que a amizade do mundo é inimiga de Deus? Aquele, pois, que quiser ser amigo do mundo constitui-se inimigo de Deus.

[5] Ou supondes que em vão afirma a Escritura: É com ciúme que por nós anseia o Espírito, que ele fez habitar em nós?

[6] Antes, ele dá maior graça; pelo que diz: Deus resiste aos soberbos, mas dá graça aos humildes.

[7] Sujeitai-vos, portanto, a Deus; mas resisti ao diabo, e ele fugirá de vós.

[8] Chegai-vos a Deus, e ele se chegará a vós outros. Purificai as mãos, pecadores; e vós que sois de ânimo dobre, limpai o coração.

[9] Afligi-vos, lamentai e chorai. Converta-se o vosso riso em pranto, e a vossa alegria, em tristeza.

[10] Humilhai-vos na presença do SENHOR, e ele vos exaltará.

A maledicência é condenada

[1] Zivelaphi izimpi, nokulwa kuvelaphi phakathi kwenu na? Akuveli yini lapho ezinkanukweni zenu ezilwayo ezithweni zenu na?

[2] Niyafisa, nokho aninalutho; niyabulala ninomhawu, nokho anizuzi lutho; niyalwa nenza impi. Aninalutho, ngokuba ningaceli;

[3] niyacela, nokho anamukeliswa, ngokuba nicela kabi, ukuze nikuchithele ezinkanukweni zenu.

[4] Ziphingi, anazi yini ukuthi ukuthanda izwe kungubutha kuNkulunkulu na? Ngakho lowo othanda ukuba ngumhlobo wezwe, umi eyisitha sikaNkulunkulu.

[5] Niyacabanga yini ukuthi umbhalo usho ngeze ukuthi: Umoya awuhlalisa kithi unxanela ngokomhawu, na?

[6]Kodwa unika umusa ngokwenezela; ngakho uthi: UNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobekileyo ubapha umusa.

[7] Ngakho thobelani uNkulunkulu, kepha nimelane noSathane, khona uyakunibalekela;

[8] sondelani kuNkulunkulu, khona uyakusondela kinina. Hlanzani izandla nina zoni, nihlambulule izinhliziyo nina bonhliziyombili.

[9] Yibani lusizi, nidabuke, nikhale; ukuhleka kwenu makuphenduke ukudabuka, nokujabula kube ngukujabha.

[10] Zithobeni ebusweni beNkosi, khona iyakuniphakamisa.

[11] Irmãos, não faleis mal uns dos outros. Aquele que fala mal do irmão ou julga a seu irmão fala mal da lei e julga a lei; ora, se julgas a lei, não és observador da lei, mas juiz.

[11] Ningahlebani, bazalwane. Ohleba umzalwane, noma ahlulele umzalwane wakhe, uhleba umthetho, ahlulele umthetho; kepha uma wahlulela umthetho, awusiye owenza okomthetho kodwa ungumahluleli.

[12] Um só é Legislador e Juiz, aquele que pode salvar e fazer perecer; tu, porém, quem és, que julgas o próximo?

[12]Munye ongummisimthetho nomahluleli; nguyena onamandla okusindisa nokubhubhisa; kepha ungubani wena omahlulelayo umakhelwane na?

A falibilidade dos projetos humanos

Umuntu akakwazi okuzakumvelela ngomuso

[13] Atendei, agora, vós que dizeis: Hoje ou amanhã, iremos para a cidade tal, e lá passaremos um ano, e negociaremos, e teremos lucros.

[13] Minani nina enithi: Namuhla noma ngomuso siyakuya kulona noma kulowaya muzi, siqede khona umnyaka, sithengiselane, sizuze,

[14] Vós não sabeis o que sucederá amanhã. Que é a vossa vida? Sois, apenas, como neblina que aparece por instante e logo se dissipa.

[14] anikwazi okwangomuso; kuyini ukuphila kwenu na? Ngokuba niyinkungu ebonakala isikhashana, ibisinyamalala.

[15] Em vez disso, devíeis dizer: Se o SENHOR quiser, não só viveremos, como também faremos isto ou aquilo.

[15] Nga nisho nithi: Uma iNkosi ithanda, siphila, siyakwenza lokhu nalokho.

[16] Agora, entretanto, vos jactais das vossas arrogantes pretensões. Toda jactância semelhante a essa é maligna.

[16] Kepha manje niyazibonga ngokuzigabisa kwenu; konke ukuzigabisa okunjalo kubi.

[17] Portanto, aquele que sabe que deve fazer o bem e não o faz nisso está pecando.

[17] Ngakho owaziyo ukwenza okuhle engakwenzi kuyisono kuye.

Tiago 5

Deus condena as riquezas mal adquiridas e mal empregadas

[1] Atendei, agora, ricos, chorai lamentando, por causa das vossas desventuras, que vos sobrevirão.

[2] As vossas riquezas estão corruptas, e as vossas roupagens, comidas de traça;

EkaJakobe 5

Izicebi ezingalungile

[1] Minani nina bacebileyo; khalani, nilile ngezinhlupheko eziyakunehlela.

[2] Ingcebo yenu ibolile, nezingubo zenu zidliwe yizinundu;

[3] o vosso ouro e a vossa prata foram gastos de ferrugens, e a sua ferrugem há de ser por testemunho contra vós mesmos e há de devorar, como fogo, as vossas carnes. Tesouros acumulastes nos últimos dias.

[4] Eis que o salário dos trabalhadores que ceifaram os vossos campos e que por vós foi retido com fraude está clamando; e os clamores dos ceifeiros penetraram até aos ouvidos do SENHOR dos Exércitos.

[5] Tendes vivido regaladamente sobre a terra; tendes vivido nos prazeres; tendes engordado o vosso coração, em dia de matança;

[6] tendes condenado e matado o justo, sem que ele vos faça resistência.

A necessidade, bênçãos e exemplo da paciência

[7] Sede, pois, irmãos, pacientes, até à vinda do SENHOR. Eis que o lavrador aguarda com paciência o precioso fruto da terra, até receber as primeiras e as últimas chuvas.

[8] Sede vós também pacientes e fortalecei o vosso coração, pois a vinda do SENHOR está próxima.

[9] Irmãos, não vos queixeis uns dos outros, para não serdes julgados. Eis que o juiz está às portas.

[10] Irmãos, tomai por modelo no sofrimento e na paciência os profetas, os quais falaram em nome do SENHOR.

[11] Eis que temos por felizes os que perseveraram firmes. Tendes ouvido da paciência de Jó e vistes que fim o SENHOR lhe deu; porque o SENHOR é cheio de terna misericórdia e compassivo.

[3]igolide lenu nesiliva kugwalile, nokugwala kwakho kuyakuba ngufakazi ngakini, kudle inyama yenu njengomlilo. Niqongelele ingcebo ezinsukwini zokuphela.

[4] Bhekani, umvuzo wezisebenzi ezavuna amasimu enu eniwugodlileyo uyakhala, nokukhala kwabavunileyo kungenile ezindlebeni zeNkosi Sebawoti.

[5] Nibusile emhlabeni, natamasa; ninonisile izinhliziyo zenu ngosuku lokuhlaba.

[6] Nilahlile, nabulala olungileyo; akamelani nani.

Ukubekezela

[7] Ngakho bekezelani, bazalwane, ize ifike iNkosi. Bhekani, umlimi uyalindela isithelo somhlaba esiyigugu, ebekezelela sona, size sithole imvula yokuqala neyamuva.

[8] Bekezelani nani, niqinise izinhliziyo zenu, ngokuba ukufika kweNkosi kusondele.

[9]Ningavungamelani, bazalwane, ukuba ningahlulelwa; bhekani, umahluleli umi ngaseminyango.

[10] Bazalwane, misani abaprofethi ababekhuluma egameni leNkosi babe yisibonelo sokuhlupheka nokubekezela.

[11] Bhekani, babusisiwe abakhuthazelayo; nizwile ngokukhuthazela kukaJobe, nibonile impetho yeNkosi ukuthi iNkosi inesihe esikhulu nesihawu.

O juramento proibido e o proceder cristão em várias experiências da vida

[12] Acima de tudo, porém, meus irmãos, não jureis nem pelo céu, nem pela terra, nem por qualquer outro voto; antes, seja o vosso sim sim, e o vosso não não, para não cairdes em juízo.

[13] Está alguém entre vós sofrendo? Faça oração. Está alguém alegre? Cante louvores.

[14] Está alguém entre vós doente? Chame os presbíteros da igreja, e estes façam oração sobre ele, ungindo-o com óleo, em nome do SENHOR.

[15] E a oração da fé salvará o enfermo, e o SENHOR o levantará; e, se houver cometido pecados, ser-lhe-ão perdoados.

[16] Confessai, pois, os vossos pecados uns aos outros e orai uns pelos outros, para serdes curados. Muito pode, por sua eficácia, a súplica do justo.

[17] Elias era homem semelhante a nós, sujeito aos mesmos sentimentos, e orou, com instância, para que não chovesse sobre a terra, e, por três anos e seis meses, não choveu.

[18] E orou, de novo, e o céu deu chuva, e a terra fez germinar seus frutos.

[19] Meus irmãos, se algum entre vós se desviar da verdade, e alguém o converter,

[20] sabei que aquele que converte o pecador do seu caminho errado salvará da morte a alma dele e cobrirá multidão de pecados.

Ukufunga

[12] Kepha phezu kwakho konke, bazalwane bami, ningafungi; ningafungi izulu noma umhlaba noma esinye isifungo; kodwa uyebo wenu makabe nguyebo, noqhabo uqhabo, ukuze ningaweli ekwahlulelweni.

Ukukhuleka

[13] Kukhona ohluphekayo phakathi kwenu na? Makakhuleke; kukhona owenamileyo na? Makahube.

[14] Kukhona ogulayo phakathi kwenu na? Makabize amalunga ebandla, amkhulekele, amgcobe ngamafutha egameni leNkosi.

[15] Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, iNkosi imvuse; noma enzile izono, uzakuthethelelwa zona.

[16] Ngakho, vumani izono omunye komunye, nikhulekelane ukuba niphulukiswe. Umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu.

[17] U-Eliya wayengumuntu efana nathi; wakhuleka nokukhuleka ukuba lingani; alinanga emhlabeni iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha.

[18] Wabuye wakhuleka; izulu lana imvula, nomhlaba wathela izithelo zawo.

Abadukisiweyo

[19] Bazalwane bami, uma omunye kini eduka eqinisweni, omunye ambuyise,

[20] yazini ukuthi obuyisile isoni ekudukeni kwendlela yaso uyakusindisa umphefumulo wakhe ekufeni, asibekele izono eziningi.

Primeira epístola de Pedro	1 kaPetru

1 Pedro 1

Prefácio e saudação

[1] Pedro, apóstolo de Jesus Cristo, aos eleitos que são forasteiros da Dispersão no Ponto, Galácia, Capadócia, Ásia e Bitínia,

[2] eleitos, segundo a presciência de Deus Pai, em santificação do Espírito, para a obediência e a aspersão do sangue de Jesus Cristo, graça e paz vos sejam multiplicadas.

Ação de graças

[3] Bendito o Deus e Pai de nosso SENHOR Jesus Cristo, que, segundo a sua muita misericórdia, nos regenerou para uma viva esperança, mediante a ressurreição de Jesus Cristo dentre os mortos,

[4] para uma herança incorruptível, sem mácula, imarcescível, reservada nos céus para vós outros

[5] que sois guardados pelo poder de Deus, mediante a fé, para a salvação preparada para revelar-se no último tempo.

[6] Nisso exultais, embora, no presente, por breve tempo, se necessário, sejais contristados por várias provações,

[7] para que, uma vez confirmado o valor da vossa fé, muito mais preciosa do que o ouro perecível, mesmo apurado por fogo, redunde em louvor, glória e honra na revelação de Jesus Cristo;

1 kaPetru 1

Isibingelelo

[1] UPetru, umphostoli kaJesu Kristu, kwabayizihambi abahlakazekile ePontu, naseGalathiya, naseKhaphadosiya, nase-Asiya, naseBithiniya,

[2]bekhethiwe ngokwaziphambili kukaNkulunkulu uYise ngokungcwelisa kukaMoya kukho ukulalela nokufafazwa ngegazi likaJesu Kristu: Makwandiswe kinina umusa nokuthula.

UPetru ubonga uNkulunkulu ngethemba eliphilileyo labakholwayo

[3] Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu owabuye wasizala kabusha ngokwesihawu sakhe esikhulu ukuba sibe nethemba eliphilileyo ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo,

[4] sibe nefa elingapheliyo, nelingenasisihla, nelingabuniyo, eniligcinelwe ezulwini;

[5] nina enilondolozwa ngamandla kaNkulunkulu ngokukholwa ukuba nibe nokusindiswa okulungiselwe ukwambulwa ngesikhathi sokugcina;

[6] enithokoza ngakho, nokuba manje ngesikhashana, uma kudingeka, nidabukiswa ngezilingo eziyizinhlobonhlobo,

[7] ukuze ukuvivinywa kokukholwa kwenu okuyigugu kunegolide elibhubhayo noma livivinywa ngomlilo kufunyanwe kube ngukubongwa, nodumo, nokutuseka ekwambulweni kukaJesu Kristu;

[8] a quem, não havendo visto, amais; no qual, não vendo agora, mas crendo, exultais com alegria indizível e cheia de glória,

[9] obtendo o fim da vossa fé: a salvação da vossa alma.

[10] Foi a respeito desta salvação que os profetas indagaram e inquiriram, os quais profetizaram acerca da graça a vós outros destinada,

[11] investigando, atentamente, qual a ocasião ou quais as circunstâncias oportunas, indicadas pelo Espírito de Cristo, que neles estava, ao dar de antemão testemunho sobre os sofrimentos referentes a Cristo e sobre as glórias que os seguiriam.

[12] A eles foi revelado que, não para si mesmos, mas para vós outros, ministravam as coisas que, agora, vos foram anunciadas por aqueles que, pelo Espírito Santo enviado do céu, vos pregaram o evangelho, coisas essas que anjos anelam perscrutar.

A santidade na vida

[13] Por isso, cingindo o vosso entendimento, sede sóbrios e esperai inteiramente na graça que vos está sendo trazida na revelação de Jesus Cristo.

[14] Como filhos da obediência, não vos amoldeis às paixões que tínheis anteriormente na vossa ignorância;

[15] pelo contrário, segundo é santo aquele que vos chamou, tornai-vos santos

[8] enimthanda ningambonanga, enithi ningamboni manje nikholwa nguye, nithokoza ngentokozo engakhulumekiyo netusekayo,

[9] namukela isigcino sokukholwa kwenu esiyinsindiso yemiphefumulo.

[10] Ngayo leyo nsindiso babefunisisa bephenyisisa abaprofethi ababeprofetha ngomusa obuzakuza kinina,

[11] bephenya ukuthi yisiphi nokuba sinjani isikhathi asikhombayo uMoya kaKristu owayekubo, efakaza ngaphambili ngezinhlupheko eziqondene noKristu nangenkazimulo eyakulandela zona;

[12] abambulelwe ukuba bangazikhonzi bona kepha nina ngalezo zinto enishunyayezwa zona manje ngabanishumayeza ivangeli ngoMoya oNgcwele othunywe evela ezulwini, izinto ezizifisayo izingelosi ukuzibona.

UPetru ukhuthaza abakholwayo ukuba bahambe ngobungcwele

[13] Ngalokho zibopheni izinkalo zengqondo yenu, nizithibe, nethembe ngokupheleleyo umusa enizakuwabelwa ekwambulweni kukaJesu Kristu.

[14] Njengabantwana abalalelayo ningalingisi izinkanuko zakuqala ekungazini kwenu,

[15] kodwa njengowanibizayo engcwele, manibe ngcwele nani ekuhambeni konke,

também vós mesmos em todo o vosso procedimento,

[16] porque escrito está: Sede santos, porque eu sou santo.

[17] Ora, se invocais como Pai aquele que, sem acepção de pessoas, julga segundo as obras de cada um, portai-vos com temor durante o tempo da vossa peregrinação,

[18] sabendo que não foi mediante coisas corruptíveis, como prata ou ouro, que fostes resgatados do vosso fútil procedimento que vossos pais vos legaram,

[19] mas pelo precioso sangue, como de cordeiro sem defeito e sem mácula, o sangue de Cristo,

[20] conhecido, com efeito, antes da fundação do mundo, porém manifestado no fim dos tempos, por amor de vós

[21] que, por meio dele, tendes fé em Deus, o qual o ressuscitou dentre os mortos e lhe deu glória, de sorte que a vossa fé e esperança estejam em Deus.

A santidade no amor

[22] Tendo purificado a vossa alma, pela vossa obediência à verdade, tendo em vista o amor fraternal não fingido, amai-vos, de coração, uns aos outros ardentemente,

[23] pois fostes regenerados não de semente corruptível, mas de incorruptível, mediante a palavra de Deus, a qual vive e é permanente.

[16] ngokuba kulotshiwe ukuthi: Manibe ngcwele, ngokuba mina ngingcwele.

[17] Uma nimbiza ngokuthi Baba yena owahlulela yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe engakhethi buso, anohamba ngokwesaba esikhathini sokuhlala kwenu ebufokazini,

[18] nazi ukuthi anihlengwanga ekuhambeni kwenu okuyize enakunikezwa ngawoyihlo ngezinto ezibhubhayo, isiliva negolide,

[19] kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu kungathi elewundlu elingenacala, elingenabala;

[20] owaziwa phakade, izwe lingakasekelwa, kepha wabonakaliswa ngezikhathi zokugcina ngenxa yenu

[21] enikholwa nguNkulunkulu ngaye, owamvusa kwabafileyo nowamnika inkazimulo, ukuze ukukholwa kwenu kube nethemba kuNkulunkulu.

[22] Senihlambululile imiphefumulo yenu ngokulalela iqiniso, nize nithande abazalwane ngokungazenzisi, thandanani ngokupheleleyo omunye nomunye ngenhliziyo,

[23] senizelwe kabusha kungengambewu ephelayo kodwa ngengapheliyo, ngezwi eliphilileyo nelimiyo likaNkulunkulu,

[24] Pois toda carne é como a erva, e toda a sua glória, como a flor da erva; seca-se a erva, e cai a sua flor;

[25] a palavra do SENHOR, porém, permanece eternamente. Ora, esta é a palavra que vos foi evangelizada.

[24] ngokuba, Yonke inyama injengotshani, nobukhosi bayo bonke bunjengembali yotshani; utshani buyabuna, nembali iyavuthuluka, kepha izwi leNkosi limi kuze kube phakade.

[25] Yilo leli zwi levangeli elashunyayelwa kinina.

1 Pedro 2

Os crentes são a casa espiritual edificada em Cristo

[1] Despojando-vos, portanto, de toda maldade e dolo, de hipocrisias e invejas e de toda sorte de maledicências,

[2] desejai ardentemente, como crianças recém-nascidas, o genuíno leite espiritual, para que, por ele, vos seja dado crescimento para salvação,

[3] se é que já tendes a experiência de que o SENHOR é bondoso.

[4] Chegando-vos para ele, a pedra que vive, rejeitada, sim, pelos homens, mas para com Deus eleita e preciosa,

[5] também vós mesmos, como pedras que vivem, sois edificados casa espiritual para serdes sacerdócio santo, a fim de oferecerdes sacrifícios espirituais agradáveis a Deus por intermédio de Jesus Cristo.

[6] Pois isso está na Escritura: Eis que ponho em Sião uma pedra angular, eleita e preciosa; e quem nela crer não será, de modo algum, envergonhado.

[7] Para vós outros, portanto, os que credes, é a preciosidade; mas, para os descrentes,

1 kaPetru 2

Ukulangazelela ubisi oluhle lwezwi

[1] Ngakho lahlani ububi bonke, nobuqili bonke, nokuzenzisa, nomhawu, nokuhleba konke;

[2]njengezingane ezisand ukuzalwa langazelelani ubisi olungokomoya olungenakonakala, ukuze nikhule ngalo kube ngukusindiswa,

[3] uma seninambithile nezwa ukuthi iNkosi imnene.

Ukwakhiwa kwendlu yokomoya

[4] Sondelani kuyo, iyitshe eliphilileyo, elinqatshwe ngabantu, kepha kuNkulunkulu likhethekile, liyigugu,

[5] nakhiwe njengamatshe aphilileyo, nibe yindlu yokomoya, ubupristi obungcwele, ninikele ngemihlatshelo yokomoya eyamukelekayo kuNkulunkulu ngaye uJesu Kristu.

[6]Ngokuba kukhona embhalweni ukuthi: Bhekani, ngibeka eSiyoni itshe legumbi elikhethekile, liyigugu; okholwa yilo akasoze ajabhiswa.

[7] Ngakho kini enikholwayo liyigugu; kepha kwabangakholwayo itshe

A pedra que os construtores rejeitaram, essa veio a ser a principal pedra, angular

[8] e: Pedra de tropeço e rocha de ofensa. São estes os que tropeçam na palavra, sendo desobedientes, para o que também foram postos.

[9] Vós, porém, sois raça eleita, sacerdócio real, nação santa, povo de propriedade exclusiva de Deus, a fim de proclamardes as virtudes daquele que vos chamou das trevas para a sua maravilhosa luz;

[10] vós, sim, que, antes, não éreis povo, mas, agora, sois povo de Deus, que não tínheis alcançado misericórdia, mas, agora, alcançastes misericórdia.

A vida exemplar cristã: deveres para com os não crentes e para com as autoridades

[11] Amados, exorto-vos, como peregrinos e forasteiros que sois, a vos absterdes das paixões carnais, que fazem guerra contra a alma,

[12] mantendo exemplar o vosso procedimento no meio dos gentios, para que, naquilo que falam contra vós outros como de malfeitores, observando-vos em vossas boas obras, glorifiquem a Deus no dia da visitação.

[13] Sujeitai-vos a toda instituição humana por causa do SENHOR, quer seja ao rei, como soberano,

[14] quer às autoridades, como enviadas por ele, tanto para castigo dos malfeitores como para louvor dos que praticam o bem.

abalinqabayo abakhi yilona elaba yinhloko yegumbi,

[8] netshe lokuqhuzula, nedwala lokukhubekisa; baqhuzuka bengalaleli izwi, okuyikhona bekumiselweyo;

[9] kepha nina niluhlanga olukhethiweyo, ubupristi obobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abazuziweyo, ukuze nishumayele ubukhosi balowo owanibiza niphume ebumnyameni, ningene ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo;

[10] ekade naningesiso isizwe, kepha manje niyisizwe sikaNkulunkulu, enaningahawukelwanga, kepha manje nihawukelwe.

[11] Bathandekayo, nginincenga njengabafokazi nezihambi ukuba nidede ezinkanukweni zenyama ezilwa nomphefumulo,

[12] nibe nenkambo enhle phakathi kwabezizwe, ukuze kuthi lapho benihleba ngokungathi ningabenzi bokubi, ngokubona imisebenzi yenu emihle badumise uNkulunkulu ngosuku lokuhanjelwa.

Ukuthobela izimiso zabantu ngenxa yeNkosi

[13] Thobelani izimiso zonke zabantu ngenxa yeNkosi, nokuba kuyinkosi njengokuba ingomkhulu,

[14]nokuba kungababusi njengokuba bethunywa yiyo, ukuze bajezise abenza okubi, babonge abenza okuhle,

[15] Porque assim é a vontade de Deus, que, pela prática do bem, façais emudecer a ignorância dos insensatos;
[16] como livres que sois, não usando, todavia, a liberdade por pretexto da malícia, mas vivendo como servos de Deus.
[17] Tratai todos com honra, amai os irmãos, temei a Deus, honrai o rei.

A vida exemplar cristã: deveres dos que prestam serviços a outrem

[18] Servos, sede submissos, com todo o temor ao vosso senhor, não somente se for bom e cordato, mas também ao perverso;

[19] porque isto é grato, que alguém suporte tristezas, sofrendo injustamente, por motivo de sua consciência para com Deus.

[20] Pois que glória há, se, pecando e sendo esbofeteados por isso, o suportais com paciência? Se, entretanto, quando praticais o bem, sois igualmente afligidos e o suportais com paciência, isto é grato a Deus.
[21] Porquanto para isto mesmo fostes chamados, pois que também Cristo sofreu em vosso lugar, deixando-vos exemplo para seguirdes os seus passos,
[22] o qual não cometeu pecado, nem dolo algum se achou em sua boca;
[23] pois ele, quando ultrajado, não revidava com ultraje; quando maltratado, não fazia ameaças, mas entregava-se àquele que julga retamente,

[15] ngokuba injalo intando kaNkulunkulu ukuba ngokwenza okuhle nithulise ukungazi kwabantu abayiziwula
[16] njengabakhululekileyo, kodwa kungabi njengabenza ukukhululeka kube yisigubuzelo sokubi kepha njengezinceku zikaNkulunkulu.
[17] Baziseni bonke, nithande abazalwane; mesabeni uNkulunkulu, niyazise inkosi.

[18] Nina zinceku, thobelani amakhosi ngokwesaba konke, kungabi ngamahle navileyo kuphela kodwa nayizixhwanguxhwangu.
[19]Ngokuba kuyabongeka lokho, uma umuntu ngenxa kanembeza ngakuNkulunkulu ethwala izinsizi, ehlushwa ngokungafanele.

[20]Ngokuba kuludumo luni, uma nibekezela nishaywa lapho nonile na? Kepha uma nibekezela lapho nenze okuhle nihlushwa, lokho kuyabongeka kuNkulunkulu.

[21] Ngokuba nabizelwa khona lokho, ngokuba uKristu wahlushwa ngenxa yenu, enishiyela isibonelo sokuba nilandele ezinyathelweni zakhe.
[22] Ongenzanga isono, akufunyanwanga nankohliso emlonyeni wakhe,

[23] owathi ethukwa, akaphindisanga athuke; ehlushwa akasongelanga kepha wakunikela kuye owahlulela ngokulunga;

[24] carregando ele mesmo em seu corpo, sobre o madeiro, os nossos pecados, para que nós, mortos para os pecados, vivamos para a justiça; por suas chagas, fostes sarados.

[25] Porque estáveis desgarrados como ovelhas; agora, porém, vos convertestes ao Pastor e Bispo da vossa alma.

1 Pedro 3

A vida exemplar cristã: deveres dos casados

[1] Mulheres, sede vós, igualmente, submissas a vosso próprio marido, para que, se ele ainda não obedece à palavra, seja ganho, sem palavra alguma, por meio do procedimento de sua esposa,

[2] ao observar o vosso honesto comportamento cheio de temor.

[3] Não seja o adorno da esposa o que é exterior, como frisado de cabelos, adereços de ouro, aparato de vestuário;

[4] seja, porém, o homem interior do coração, unido ao incorruptível trajo de um espírito manso e tranqüilo, que é de grande valor diante de Deus.

[5] Pois foi assim também que a si mesmas se ataviaram, outrora, as santas mulheres que esperavam em Deus, estando submissas a seu próprio marido,

[6] como fazia Sara, que obedeceu a Abraão, chamando-lhe senhor, da qual vós vos tornastes filhas, praticando o bem e não temendo perturbação alguma.

[24] yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi sesifile ezonweni siphile ekulungeni, oyena imivimbo yakhe naphulukiswa ngayo;

[25]ngokuba beninjengezimvu ezidukileyo, kodwa manje seniphendukele kuMalusi noMbonisi wemiphefumulo yenu.

1 kaPetru 3

Ukuphathana kwabaganeneyo

[1] Kanjalo, bafazi, thobelani amadoda enu, ukuze kuthi, uma ekhona ongakholwa yizwi, azuzwe ngaphandle kwezwi ngenkambo yabafazi bawo,

[2] ebona inkambo yenu emhlophe esekwesabeni.

[3] Ukuhloba kwenu makungabi ngokungaphandle, okokwaluka izinwele, nokokufaka igolide, noma okokugqoka izingubo,

[4] kepha makube ngumuntu osithekileyo wenhliziyo ohloba ngokungabhubhiyo komoya omnene onokuthula, okuyigugu phambi kukaNkulunkulu.

[5]Ngokuba kade babezihlobisa kanjalo abesifazane abangcwele abamethembayo uNkulunkulu, bethobela amadoda abo,

[6] njengalokho uSara wamlalela u-Abrahama embiza ngokuthi inkosi, eningabantwana bakhe, uma nenza okuhle, ningesatshiswa nokukodwa okwesabisayo.

[7] Maridos, vós, igualmente, vivei a vida comum do lar, com discernimento; e, tendo consideração para com a vossa mulher como parte mais frágil, tratai-a com dignidade, porque sois, juntamente, herdeiros da mesma graça de vida, para que não se interrompam as vossas orações.

A vida exemplar cristã: o amor fraternal

[8] Finalmente, sede todos de igual ânimo, compadecidos, fraternalmente amigos, misericordiosos, humildes,

[9] não pagando mal por mal ou injúria por injúria; antes, pelo contrário, bendizendo, pois para isto mesmo fostes chamados, a fim de receberdes bênção por herança.

[10] Pois quem quer amar a vida e ver dias felizes refreie a língua do mal e evite que os seus lábios falem dolosamente;

[11] aparte-se do mal, pratique o que é bom, busque a paz e empenhe-se por alcançá-la.

[12] Porque os olhos do SENHOR repousam sobre os justos, e os seus ouvidos estão abertos às suas súplicas, mas o rosto do SENHOR está contra aqueles que praticam males.

A prática do bem. A longanimidade segundo o exemplo de Cristo

[13] Ora, quem é que vos há de maltratar, se fordes zelosos do que é bom?

[14] Mas, ainda que venhais a sofrer por causa da justiça, bem-aventurados sois. Não vos amedronteis, portanto, com as suas ameaças, nem fiqueis alarmados;

[15] antes, santificai a Cristo, como SENHOR, em vosso coração, estando

[7] Kanjalo, madoda, hlalani nabo ngokokwazi, njengalokhu owesifazane eyisitsha esibuthakathaka, nibanike udumo, lokhu beyizindlalifa zomusa wokuphila kanye nani, ukuze imikhuleko yenu ingathiywa.

Ukuhamba ngokubekezela ekuhluphekeni

[8] Okokugcina, manibe nhliziyonye nonke, nihawukelane, nithandane ngokwabazalwane, nibe nobubele nokuthobeka,

[9] ningaphindisi okubi ngokubi nokuthuka ngokuthuka, kepha kakhulu manibusise, ngokuba nabizelwa lokho ukuba nidle ifa lokubusiswa.

[10] Ngokuba osuka ethanda ukuphila nokubona izinsuku ezinhle, makanqande ulimi lwakhe kokubi, nezindebe zakhe zingakhulumi inkohliso,

[11] adede ebubini, enze okuhle, afune ukuthula, akujonge,

[12]ngokuba amehlo eNkosi aphezu kwabalungileyo, izindlebe zayo zisekunxuseni kwabo, kepha ubuso beNkosi buphezu kwabenza okubi.

[13]Pho, ubani onganilimaza, uma nishisekela okuhle na?

[14] Kepha noma nihlupheka ngenxa yokulunga, nibusisiwe. Ningesabi ukwesabisa kwabo, ningakhathazeki,

[15] kepha mngcweliseni uKristu abe yiNkosi ezinhliziyweni zenu, nihlale

sempre preparados para responder a todo aquele que vos pedir razão da esperança que há em vós,

[16] fazendo-o, todavia, com mansidão e temor, com boa consciência, de modo que, naquilo em que falam contra vós outros, fiquem envergonhados os que difamam o vosso bom procedimento em Cristo,

[17] porque, se for da vontade de Deus, é melhor que sofrais por praticardes o que é bom do que praticando o mal.

[18] Pois também Cristo morreu, uma única vez, pelos pecados, o justo pelos injustos, para conduzir-vos a Deus; morto, sim, na carne, mas vivificado no espírito,

[19] no qual também foi e pregou aos espíritos em prisão,

[20] os quais, noutro tempo, foram desobedientes quando a longanimidade de Deus aguardava nos dias de Noé, enquanto se preparava a arca, na qual poucos, a saber, oito pessoas, foram salvos, através da água,

[21] a qual, figurando o batismo, agora também vos salva, não sendo a remoção da imundícia da carne, mas a indagação de uma boa consciência para com Deus, por meio da ressurreição de Jesus Cristo;

[22] o qual, depois de ir para o céu, está à destra de Deus, ficando-lhe subordinados anjos, e potestades, e poderes.

1 Pedro 4

ningabalungele ukubaphendula bonke abanibuza isizathu sethemba elikini,

[16] kodwa kube ngobumnene nangokwesaba, nibe nonembeza omuhle, ukuze kuthi kulokho abanihleba ngakho bajabhiswe labo abathuka ukuhamba kwenu okuhle kuKristu.

[17]Ngokuba kuhle ukuhlupheka ngokwenza okuhle, uma kuyintando kaNkulunkulu, kunokwenza okubi.

[18] Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu, ebulawa enyameni kepha ephiliswa emoyeni,

[19] ehamba ngawo ukushumayeza omoya abasekuboshweni

[20]abakade bengalaleli, lapho ukubekezela kukaNkulunkulu kubalindele ezinsukwini zikaNowa umkhumbi usakhiwa, abasindiswa ngawo abayingcosana, okungukuthi abayisishiyagalombili ngawo amanzi;

[21]enisindiswa ngawo manje nani ngokomfanekiso, okungukuthi ngombhapathizo, kungesikho ukususa insila yenyama kepha ukucela kuNkulunkulu unembeza omuhle, ngokuvuka kukaJesu Kristu

[22]okhona ngakwesokunene sikaNkulunkulu esenyukele ezulwini, sekubekwe phansi kwakhe izingelosi, negunya, namandla.

1 kaPetru 4

A morte para o pecado e a pureza de vida

[1] Ora, tendo Cristo sofrido na carne, armai-vos também vós do mesmo pensamento; pois aquele que sofreu na carne deixou o pecado,

[2] para que, no tempo que vos resta na carne, já não vivais de acordo com as paixões dos homens, mas segundo a vontade de Deus.

[3] Porque basta o tempo decorrido para terdes executado a vontade dos gentios, tendo andado em dissoluções, concupiscências, borracheiras, orgias, bebedices e em detestáveis idolatrias.

[4] Por isso, difamando-vos, estranham que não concorrais com eles ao mesmo excesso de devassidão,

[5] os quais hão de prestar contas àquele que é competente para julgar vivos e mortos;

[6] pois, para este fim, foi o evangelho pregado também a mortos, para que, mesmo julgados na carne segundo os homens, vivam no espírito segundo Deus.

Alguns deveres dos crentes uns para com os outros

[7] Ora, o fim de todas as coisas está próximo; sede, portanto, criteriosos e sóbrios a bem das vossas orações.

[8] Acima de tudo, porém, tende amor intenso uns para com os outros, porque o amor cobre multidão de pecados.

[9] Sede, mutuamente, hospitaleiros, sem murmuração.

[10] Servi uns aos outros, cada um conforme o dom que recebeu, como bons

Ekuhluphekeni amakholwa mawabekezele, akhuleke, abonge uNkulunkulu

[1] Njengokuba uKristu wahlupheka enyameni, hlomani nani ukuqonda okunjalo, ngokuba ohluphekile enyameni uyekile ukona,

[2] ukuze ngesikhathi esiseleyo nisesenyameni ningabe nisahlala ngezinkanuko zabantu kodwa ngentando kaNkulunkulu.

[3] Ngokuba isikhathi esidlulileyo sasanele ukwenza okuthandwa ngabezizwe ngokuhamba ngamanyala, nangezinkanuko, nangokudakwa, nangokuminza, nangokuxokozela, nangokukhonza izithombe okuyichilo.

[4]Bayamangala ngokungagijimeli kwenu kulowo msindo wokushinga kwabo, behlambalaza;

[5] bayakuziphendulela kulowo olungele ukwahlulela abahambayo nabafileyo.

[6]Ngokuba ngalokho ivangeli lashunyayelwa nakwabafileyo, ukuze bahlulelwe ngokwabantu enyameni kepha baphile ngokukaNkulunkulu emoyeni.

[7] Kepha ukuphela kwezinto zonke sekusondele. Ngakho zikhuzeni, nizithibe, ukuze nikhuleke;

[8] kunakho konke yibani nokuthandana okunganqamukiyo, ngokuba uthando lusibekela inqwaba yezono;

[9]anongenisana ngenjabulo, ningakhononi,

[10] nikhonzane, kube yilowo nalowo ngesipho asiphiweyo njengabaphathi

despenseiros da multiforme graça de Deus.

11 Se alguém fala, fale de acordo com os oráculos de Deus; se alguém serve, faça-o na força que Deus supre, para que, em todas as coisas, seja Deus glorificado, por meio de Jesus Cristo, a quem pertence a glória e o domínio pelos séculos dos séculos. Amém!

O sofrermos por Cristo é privilégio glorioso

12 Amados, não estranheis o fogo ardente que surge no meio de vós, destinado a provar-vos, como se alguma coisa extraordinária vos estivesse acontecendo;

13 pelo contrário, alegrai-vos na medida em que sois co-participantes dos sofrimentos de Cristo, para que também, na revelação de sua glória, vos alegreis exultando.

14 Se, pelo nome de Cristo, sois injuriados, bem-aventurados sois, porque sobre vós repousa o Espírito da glória e de Deus.

15 Não sofra, porém, nenhum de vós como assassino, ou ladrão, ou malfeitor, ou como quem se intromete em negócios de outrem;

16 mas, se sofrer como cristão, não se envergonhe disso; antes, glorifique a Deus com esse nome.

17 Porque a ocasião de começar o juízo pela casa de Deus é chegada; ora, se primeiro vem por nós, qual será o fim

abahle bomusa omninginingi kaNkulunkulu;

11 uma umuntu ekhuluma, makakhulume njengokwamazwi kaNkulunkulu; uma umuntu ekhonza, makakhonze ngamandla awanikwa nguNkulunkulu, ukuze uNkulunkulu adunyiswe kukho konke ngoJesu Kristu okukuye inkazimulo namandla kuze kube phakade naphakade. Amen.

12 Bathandekayo, ningamangali ngomlilo ophakathi kwenu enifikelwa yiwo ukuba nilingwe ngokungathi nehlelwe yinto engaziwayo,

13kodwa njengalokhu ningabahlanganyeli bezinhlupheko zikaKristu, thokozani, ukuze kuthi nasekwambulweni kwenkazimulo yakhe nithokoze, nethabe nokwethaba.

14 Uma nithukwa ngenxa yegama likaKristu, nibusisiwe, ngokuba uMoya wenkazimulo nokaNkulunkulu uhlezi phezu kwenu.

15 Ngokuba makungabikho kini ohlupheka ngokuba engumbulali, noma eyisela, noma engowenza okubi, noma engozigaxa ezindabeni zabanye;

16 kepha uma ehlupheka ngokuba engumKristu, makangabi namahloni, kepha makadumise uNkulunkulu ngenxa yalelo gama.

17 Ngokuba sekuyisikhathi sokuba ukwahlulela kuqale endlini kaNkulunkulu; kepha uma kuthathela kithina, kuyakuba yini ukuphela

daqueles que não obedecem ao evangelho de Deus?

[18] E, se é com dificuldade que o justo é salvo, onde vai comparecer o ímpio, sim, o pecador?

[19] Por isso, também os que sofrem segundo a vontade de Deus encomendem a sua alma ao fiel Criador, na prática do bem.

1 Pedro 5

Os deveres do ministério

[1] Rogo, pois, aos presbíteros que há entre vós, eu, presbítero como eles, e testemunha dos sofrimentos de Cristo, e ainda co-participante da glória que há de ser revelada:

[2] pastoreai o rebanho de Deus que há entre vós, não por constrangimento, mas espontaneamente, como Deus quer; nem por sórdida ganância, mas de boa vontade;

[3] nem como dominadores dos que vos foram confiados, antes, tornando-vos modelos do rebanho.

[4] Ora, logo que o Supremo Pastor se manifestar, recebereis a imarcescível coroa da glória.

Vários conselhos. Votos, saudações finais e bênção

[5] Rogo igualmente aos jovens: sede submissos aos que são mais velhos; outrossim, no trato de uns com os outros, cingi-vos todos de humildade, porque Deus resiste aos soberbos, contudo, aos humildes concede a sua graça.

kwabangalaleli ivangeli likaNkulunkulu na?

[18] Uma olungileyo esindiswa kalukhuni, uyakubonakalaphi ongamesabi uNkulunkulu noyisoni na?

[19] Ngakho abahluphekayo ngokwentando kaNkulunkulu mababeke imiphefumulo yabo kuMdali othembekayo ngokwenza okuhle.

1 kaPetru 5

Ngokuziphatha kwamalunga nokwabasha

[1] Ngakho ngiyawancenga amalunga aphakathi kwenu mina engiyilunga kanye nawo, nofakazi wezinhlupheko zikaKristu, nomhlanganyeli wenkazimulo ezakwambulwa, ngithi:

[2] Yalusani umhlambi kaNkulunkulu ophakathi kwenu, kungabi ngokucindezelwa kodwa ngokwentando kaNkulunkulu, kungabi ngenxa yenzuzo eyihlazo kodwa ngenhliziyo evumayo,

[3] kungabi njengabazenza amakhosi phezu kwamabandla enabelwa wona, kodwa nibe yizibonelo zomhlambi;

[4]kuyakuthi, nxa esebonakaliswa uMalusi omkhulu, niyakuzuza umqhele wenkazimulo ongabuniyo.

[5] Ngokunjalo, nina basha, thobelani amalunga; kepha nonke yembathani ukuthobeka, nithobelane, ngokuba uNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobekileyo ubapha umusa.

[6] Humilhai-vos, portanto, sob a poderosa mão de Deus, para que ele, em tempo oportuno, vos exalte,
[7] lançando sobre ele toda a vossa ansiedade, porque ele tem cuidado de vós.
[8] Sede sóbrios e vigilantes. O diabo, vosso adversário, anda em derredor, como leão que ruge procurando alguém para devorar;
[9] resisti-lhe firmes na fé, certos de que sofrimentos iguais aos vossos estão-se cumprindo na vossa irmandade espalhada pelo mundo.

[10] Ora, o Deus de toda a graça, que em Cristo vos chamou à sua eterna glória, depois de terdes sofrido por um pouco, ele mesmo vos há de aperfeiçoar, firmar, fortificar e fundamentar.

[11] A ele seja o domínio, pelos séculos dos séculos. Amém!
[12] Por meio de Silvano, que para vós outros é fiel irmão, como também o considero, vos escrevo resumidamente, exortando e testificando, de novo, que esta é a genuína graça de Deus; nela estai firmes.
[13] Aquela que se encontra em Babilônia, também eleita, vos saúda, como igualmente meu filho Marcos.
[14] Saudai-vos uns aos outros com ósculo de amor. Paz a todos vós que vos achais em Cristo.

[6] Ngalokho zithobeni phansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, ukuze aniphakamise ngesikhathi esifaneleyo,
[7] niphonse izinkathazo zenu zonke phezu kwakhe, ngokuba uyanikhathalela.

[8] Qondani, nilinde. Isitha senu, uSathane, siyahamba njengebhubesi elibhodlayo sifuna esingamgwinya;

[9] melanani naye niqinile ekukholweni, nazi ukuthi zona lezo zinhlupheko zehlela abazalwane benu abasezweni.

Isigcino

[10] Kepha uNkulunkulu womusa wonke owanibizela enkazimulweni yakhe yaphakade ngoKristu, senihluphekile isikhashana, yena uqobo uyakuniphelelisa, aniqinise, aninike amandla, anisekele.
[11] Makube kuye amandla kuze kube phakade naphakade. Amen.

[12] NgoSilvanu umfowethu othembekayo ngokubona kwami nginilobele ngokufushane, ngincenga, ngifakaza ukuthi lo yiwo umusa oqinisekileyo kaNkulunkulu; yimani kuwo.

[13] Liyakhonza kini ibandla elikhethiweyo, kanye nani eliseBabiloni, noMarku indodana yami.

[14] Bingelelanani ngokwanga kothando. Ukuthula makube kini nonke enikuKristu.

Segunda epístola de Pedro

2 Pedro 1

Prefácio e saudação

1 Simão Pedro, servo e apóstolo de Jesus Cristo, aos que conosco obtiveram fé igualmente preciosa na justiça do nosso Deus e Salvador Jesus Cristo,

2 graça e paz vos sejam multiplicadas, no pleno conhecimento de Deus e de Jesus, nosso SENHOR.

A prática progressiva das graças cristãs e seus resultados

3 Visto como, pelo seu divino poder, nos têm sido doadas todas as coisas que conduzem à vida e à piedade, pelo conhecimento completo daquele que nos chamou para a sua própria glória e virtude,

4 pelas quais nos têm sido doadas as suas preciosas e mui grandes promessas, para que por elas vos torneis co-participantes da natureza divina, livrando-vos da corrupção das paixões que há no mundo,

5 por isso mesmo, vós, reunindo toda a vossa diligência, associai com a vossa fé a virtude; com a virtude, o conhecimento;

6 com o conhecimento, o domínio próprio; com o domínio próprio, a perseverança; com a perseverança, a piedade;

7 com a piedade, a fraternidade; com a fraternidade, o amor.

8 Porque estas coisas, existindo em vós e em vós aumentando, fazem com que não sejais nem inativos, nem infrutuosos no

2 kaPetru

2 kaPetru 1

Isibingelelo

1 USimeyoni Petru, inceku nomphostoli kaJesu Kristu, kubo abazuzile ukukholwa okuyigugu ngokufana nokwethu ngokulunga kukaNkulunkulu wethu noMsindisi uJesu Kristu:

2 Makwandiswe kini umusa nokuthula ngokumazi uNkulunkulu noJesu iNkosi yethu.

Amakholwa mawakhuthalele umsebenzi wokukholwa

3 Njengokuba amandla akhe obuNkulunkulu esinikile konke okuqondene nokuphila nokumesaba uNkulunkulu ngokumazi yena owasibiza ngenkazimulo nobuhle bakhe,

4 esiphiwe ngakho izithembiso eziyigugu nezikhulukazi, ukuze ngazo nibe ngabahlanganyeli nesimo sobuNkulunkulu, nibalekele ukubhubha okusezweni ngezinkanuko,

5 ngalokho nengezela inkuthalo yonke nelekele ubuhle ekukholweni, nasebuhleni ukwazi,

6 nasekwazini ukuzithiba, nasekuzithibeni ukukhuthazela, nasekukhuthazeleni ukumesaba uNkulunkulu,

7 nasekumesabeni uNkulunkulu ukuthanda abazalwane, nasekuthandeni abazalwane uthando.

8 Ngokuba uma lezo zinto zikhona kini zivama, ziyanenza ningabi

pleno conhecimento de nosso SENHOR Jesus Cristo.

[9] Pois aquele a quem estas coisas não estão presentes é cego, vendo só o que está perto, esquecido da purificação dos seus pecados de outrora.

[10] Por isso, irmãos, procurai, com diligência cada vez maior, confirmar a vossa vocação e eleição; porquanto, procedendo assim, não tropeçareis em tempo algum.

[11] Pois desta maneira é que vos será amplamente suprida a entrada no reino eterno de nosso SENHOR e Salvador Jesus Cristo.

O apóstolo dá os motivos por que escreveu esta carta

[12] Por esta razão, sempre estarei pronto para trazer-vos lembrados acerca destas coisas, embora estejais certos da verdade já presente convosco e nela confirmados.

[13] Também considero justo, enquanto estou neste tabernáculo, despertar-vos com essas lembranças,

[14] certo de que estou prestes a deixar o meu tabernáculo, como efetivamente nosso SENHOR Jesus Cristo me revelou.

[15] Mas, de minha parte, esforçar-me-ei, diligentemente, por fazer que, a todo tempo, mesmo depois da minha partida, conserveis lembrança de tudo.

A superioridade da palavra de Deus

[16] Porque não vos demos a conhecer o poder e a vinda de nosso SENHOR Jesus Cristo seguindo fábulas engenhosamente inventadas, mas nós mesmos fomos testemunhas oculares da sua majestade,

ngabavilaphayo nabangenazithelo ekwazini iNkosi yethu uJesu Kristu,

[9] ngokuba okungekho kuye lezo zinto uyimpumputhe, ebona kalufifi, ekhohliwe ukuhlanjululwa ezonweni zakhe zokuqala.

[10] Ngakho-ke, bazalwane, khuthalelani kakhulu ukwenza kuqiniseke ukubizwa nokukhethwa kwenu; ngokuba uma nenza lokho, anisoze nakhubeka.

[11]Ngokuba ngokwenze njalo niyakuphiwa ngokwengcebo ukungena embusweni waphakade weNkosi yethu noMsindisi uJesu Kristu.

Ukuqiniseka kwezwi labaphostoli nelabaprofethi

[12] Ngakho-ke ngiyakuba yilokhu nginikhumbuza njalo ngalezo zinto, nakuba nizazi, nime niqinile eqinisweni elikhona.

[13] Ngithi kufanele, nxa ngisekhona kuleli dokodo, nginivuse ngokunikhumbuza,

[14] ngazi ukuthi kuseduze ukususwa kwedokodo lami, njengalokho neNkosi yethu uJesu Kristu yangitshengisa;

[15]kepha ngizakukhuthalela ukuba ngezikhathi zonke emva kokumuka kwami nisale nizikhumbule lezo zinto.

[16] Ngokuba sasingalandeli izinganekwane zobuqili, lapho sanazisa amandla nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu, kodwa sasingababonayo amandla obukhosi bakhe.

[17] pois ele recebeu, da parte de Deus Pai, honra e glória, quando pela Glória Excelsa lhe foi enviada a seguinte voz: Este é o meu Filho amado, em quem me comprazo.

[18] Ora, esta voz, vinda do céu, nós a ouvimos quando estávamos com ele no monte santo.

[19] Temos, assim, tanto mais confirmada a palavra profética, e fazeis bem em atendê-la, como a uma candeia que brilha em lugar tenebroso, até que o dia clareie e a estrela da alva nasça em vosso coração,

[20] sabendo, primeiramente, isto: que nenhuma profecia da Escritura provém de particular elucidação;

[21] porque nunca jamais qualquer profecia foi dada por vontade humana; entretanto, homens [santos] falaram da parte de Deus, movidos pelo Espírito Santo.

2 Pedro 2

Os falsos mestres, seu caráter, obras e justo castigo

[1] Assim como, no meio do povo, surgiram falsos profetas, assim também haverá entre vós falsos mestres, os quais introduzirão, dissimuladamente, heresias destruidoras, até ao ponto de renegarem o Soberano SENHOR que os resgatou, trazendo sobre si mesmos repentina destruição.

[2] E muitos seguirão as suas práticas libertinas, e, por causa deles, será infamado o caminho da verdade;

[17] Ngokuba wamukela kuNkulunkulu uYise udumo nenkazimulo, lapho kwafika kuye izwi elinje, livela enkazimulweni yobukhosi, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo --

[18]lelo zwi salizwa thina livela ezulwini, sikanye naye entabeni engcwele.

[19] Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu,

[20]nazi lokhu kuqala ukuthi kasikho isiprofetho sombhalo esingachasiselwa ngumuntu ngokwakhe;

[21] ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu, kepha abantu beqhutshwa nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu.

2 kaPetru 2

UPetru uxwayisa ngabafundisi bamanga

[1] Kepha kwavela nabaprofethi bamanga phakathi kwesizwe, njengokuba nakinina kuzakuba khona abafundisi bamanga abazakungenisa ngasese izifundiso zamanga ezibhubhisayo, bephika noMbusi owabathengayo, bezilethela ukubhujiswa okusheshayo;

[2] nabaningi bayakulandela amanyala abo; ngenxa yabo indlela yeqiniso iyakuhlanjalazwa;

[3] também, movidos por avareza, farão comércio de vós, com palavras fictícias; para eles o juízo lavrado há longo tempo não tarda, e a sua destruição não dorme.

[3] nangokufisa bayakuthengiselana ngani ngamazwi obuqili, abakulahlwa kwabo kwamandulo akulibali nokubhujiswa kwabo akozeli.

[4] Ora, se Deus não poupou anjos quando pecaram, antes, precipitando-os no inferno, os entregou a abismos de trevas, reservando-os para juízo;

[4] Ngokuba uma uNkulunkulu engayekanga izingelosi ezonileyo, kodwa wazinikela ukuba ziphonswe esihogweni, emigodini yobumnyama, ukuba zigcinelwe ukwahlulelwa,

[5] e não poupou o mundo antigo, mas preservou a Noé, pregador da justiça, e mais sete pessoas, quando fez vir o dilúvio sobre o mundo de ímpios;

[5] nezwe lamandulo engaliyekanga, kodwa wamlondoloza uNowa, umshumayeli wokulunga, engowesishiyagalombili, mhla eletha uzamcolo ezweni elingamesabi uNkulunkulu;

[6] e, reduzindo a cinzas as cidades de Sodoma e Gomorra, ordenou-as à ruína completa, tendo-as posto como exemplo a quantos venham a viver impiamente;

[6] nemizi yaseSodoma neGomora wayahlulela wayichitha ngokuyiphendula umlotha, eyenza ibe yisiboniso kubo abangayikumesaba uNkulunkulu;

[7] e livrou o justo Ló, afligido pelo procedimento libertino daqueles insubordinados

[7] noLoti olungileyo, ehlushwa ngukuhamba ngamanyala kwabangenamthetho, wamhlangulisa --

[8] (porque este justo, pelo que via e ouvia quando habitava entre eles, atormentava a sua alma justa, cada dia, por causa das obras iníquas daqueles),

[8] ngokuba ngokubona nangokuzwa lona olungileyo, ehlala phakathi kwabo, wezwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo imihla ngemihla ngenxa yezenzo ezingenamthetho --

[9] é porque o SENHOR sabe livrar da provação os piedosos e reservar, sob castigo, os injustos para o Dia de Juízo,

[9] iNkosi iyakwazi ukuhlangulisa ekulingweni abamesabayo uNkulunkulu, kepha abangalungile iyabagcinela usuku lokwahlulelwa, bajeziswe,

[10] especialmente aqueles que, seguindo a carne, andam em imundas paixões e menosprezam qualquer governo. Atrevidos, arrogantes, não temem difamar autoridades superiores,

[10]ikakhulu labo abahamba ngokwenyama enkanukweni yokuzingcolisa, bedelela ubukhosi; bengamaphikankani nabaziqhenyayo abesabi nokuhlambalaza abenkazimulo,

[11] ao passo que anjos, embora maiores em força e poder, não proferem contra elas juízo infamante na presença do SENHOR.

[12] Esses, todavia, como brutos irracionais, naturalmente feitos para presa e destruição, falando mal daquilo em que são ignorantes, na sua destruição também hão de ser destruídos,

[13] recebendo injustiça por salário da injustiça que praticam. Considerando como prazer a sua luxúria carnal em pleno dia, quais nódoas e deformidades, eles se regalam nas suas próprias mistificações, enquanto banqueteiam junto convosco;

[14] tendo os olhos cheios de adultério e insaciáveis no pecado, engodando almas inconstantes, tendo coração exercitado na avareza, filhos malditos;

[15] abandonando o reto caminho, se extraviaram, seguindo pelo caminho de Balaão, filho de Beor, que amou o prêmio da injustiça

[16] (recebeu, porém, castigo da sua transgressão, a saber, um mudo animal de carga, falando com voz humana, refreou a insensatez do profeta).

[17] Esses tais são como fonte sem água, como névoas impelidas por temporal. Para eles está reservada a negridão das trevas;

[18] porquanto, proferindo palavras jactanciosas de vaidade, engodam com paixões carnais, por suas libertinagens,

[11]kanti izingelosi, nokuba zizinkulu ngobuqhwaga namandla, azibamangaleli ngenhlamba phambi kweNkosi.

[12]Kepha laba behlambalaza, benjengezidalwa ezingenangqondo, ngemvelo zizalelwe ukubanjwa nokubhujiswa, nabo bazakubhujiswa ekubhujisweni kwazo, behlambalaza abangakwaziyo,

[13]bamukele umvuzo wokungalungi. Labo bathi ukutamasa emini kungukujabula; bayizisihla nezinsolo, bezitika ekukhohliseni kwabo bedla nani;

[14]benamehlo agcwele ukuphinga nangayeki izono, bayenga imiphefumulo engaqinile, benenhliziyo ejwayele ukufisa, abantwana bokuqalekiswa,

[15] beshiya indlela eqondileyo beduka, belandela indlela kaBalami kaBeyori owathanda umvuzo wokungalungi,

[16] kepha waba nokusolwa ngenxa yokweqa kwakhe umthetho: imbongolo eyisimungulu yakhuluma ngezwi lomuntu, yanqabela ukuhlanya komprofethi.

[17]Labo bayimithombo engenamanzi nezinkungu eziqhutshwa yisiphepho, abagcinelwe ubumnyama bobumnyama.

[18]Ngokuba bekhuluma udwadwa, amazwi ayize, babayenga ngezinkanuko zenyama nangamanyala labo abasaphephayo abahamba ngokuduka;

aqueles que estavam prestes a fugir dos que andam no erro,

[19] prometendo-lhes liberdade, quando eles mesmos são escravos da corrupção, pois aquele que é vencido fica escravo do vencedor.

[20] Portanto, se, depois de terem escapado das contaminações do mundo mediante o conhecimento do SENHOR e Salvador Jesus Cristo, se deixam enredar de novo e são vencidos, tornou-se o seu último estado pior que o primeiro.

[21] Pois melhor lhes fora nunca tivessem conhecido o caminho da justiça do que, após conhecê-lo, volverem para trás, apartando-se do santo mandamento que lhes fora dado.

[22] Com eles aconteceu o que diz certo adágio verdadeiro: O cão voltou ao seu próprio vômito; e: A porca lavada voltou a revolver-se no lamaçal.

2 Pedro 3

A vinda do Senhor e o seu significado

[1] Amados, esta é, agora, a segunda epístola que vos escrevo; em ambas, procuro despertar com lembranças a vossa mente esclarecida,

[2] para que vos recordeis das palavras que, anteriormente, foram ditas pelos santos profetas, bem como do mandamento do SENHOR e Salvador, ensinado pelos vossos apóstolos,

[3] tendo em conta, antes de tudo, que, nos últimos dias, virão escarnecedores com os

[19] bebathembisa inkululeko, kanti bona uqobo lwabo bayizigqila zokubhubha; ngokuba lokho umuntu ahlulwa yikho uyisigqila sakho.

[20] Ngokuba uma bebuye bahilelwe, bahlulwe yikho, sebebalekele ukungcola kwezwe ngokuyazi iNkosi noMsindisi uJesu Kristu, khona ukugcina kwabo kubi kunokuqala.

[21]Ngokuba ngabe kwaba ngcono kubo ukuba babengayazanga indlela yokulunga kunokuba kuthi sebayazile bafulathele umyalo ongcwele ababewunikeziwe.

[22] Kubehlele njengokwesaga esiqinisileyo esithi: Inja yabuyela ebuhlanzweni bayo, nokuthi: Ingulube igezwe qede yaphindela ukuzibhixa odakeni.

2 kaPetru 3

Ukubuya kweNkosi

[1] Le ncwadi, bathandekayo, isingeyesibili enginilobele yona, engivusa ngazo ingqondo yenu emhlophe ngokunikhumbuza,

[2] ukuze nikhumbule amazwi ashunyayelwa phambili yibo abaprofethi abangcwele nomyalo weNkosi noMsindisi owashunyayelwa ngabaphostoli benu,

[3]nazi kuqala lokhu ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyakufika abahleki abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo,

seus escárnios, andando segundo as próprias paixões

[4] e dizendo: Onde está a promessa da sua vinda? Porque, desde que os pais dormiram, todas as coisas permanecem como desde o princípio da criação.

[5] Porque, deliberadamente, esquecem que, de longo tempo, houve céus bem como terra, a qual surgiu da água e através da água pela palavra de Deus,

[6] pela qual veio a perecer o mundo daquele tempo, afogado em água.

[7] Ora, os céus que agora existem e a terra, pela mesma palavra, têm sido entesourados para fogo, estando reservados para o Dia do Juízo e destruição dos homens ímpios.

[8] Há, todavia, uma coisa, amados, que não deveis esquecer: que, para o SENHOR, um dia é como mil anos, e mil anos, como um dia.

[9] Não retarda o SENHOR a sua promessa, como alguns a julgam demorada; pelo contrário, ele é longânimo para convosco, não querendo que nenhum pereça, senão que todos cheguem ao arrependimento.

[10] Virá, entretanto, como ladrão, o Dia do SENHOR, no qual os céus passarão com estrepitoso estrondo, e os elementos se desfarão abrasados; também a terra e as obras que nela existem serão atingidas.

[11] Visto que todas essas coisas hão de ser assim desfeitas, deveis ser tais como os

[4] bethi: Siphi isithembiso sokufika kwakhe na? Ngokuba kuselokhu obaba balala, konke kumi kunjalo njengakwasekuqaleni kokudalwa.

[5] Ngokuba bathanda ukukhohlwa lokhu ukuthi kwaphakade izulu lalikhona kanye nomhlaba owavela emanzini nangawo amanzi, umi ngezwi likaNkulunkulu,

[6]okwathi ngawo izwe elalikhona labhubha ngokukhukhula kwamanzi;

[7]kepha izulu nomhlaba okukhona manje kubekelelwe umlilo ngalo lona leli zwi, kulindele usuku lokwahlulela nolokubhubha kwabantu abangamesabi uNkulunkulu.

[8] Kodwa, bathandekayo, maningakhohlwa lento inye yokuthi kuyo iNkosi usuku lunye lunjengeminyaka eyinkulungwane nokuthi iminyaka eyinkulungwane injengosuku lunye.

[9] INkosi ayilibali ngesithembiso sayo, njengalokhu abanye bathi kungukulibala, kepha iyanibekezelela, ingathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni.

[10] Kepha usuku lweNkosi luyakufika njengesela mhla amazulu eyakudlula ngokuhlokoma; kuyakusha konke, kubhidlike; nomhlaba nemisebenzi yawo kuyakusha.

[11] Njengokuba konke kuyakubhidlika kanjalo, kumelwe ukuba nibe ngabantu

que vivem em santo procedimento e piedade,

[12] esperando e apressando a vinda do Dia de Deus, por causa do qual os céus, incendiados, serão desfeitos, e os elementos abrasados se derreterão.

[13] Nós, porém, segundo a sua promessa, esperamos novos céus e nova terra, nos quais habita justiça.

O cristão deve esperar o Senhor, viver vida reta, estudar as Escrituras e crescer em Cristo

[14] Por essa razão, pois, amados, esperando estas coisas, empenhai-vos por serdes achados por ele em paz, sem mácula e irrepreensíveis,

[15] e tende por salvação a longanimidade de nosso SENHOR, como igualmente o nosso amado irmão Paulo vos escreveu, segundo a sabedoria que lhe foi dada,

[16] ao falar acerca destes assuntos, como, de fato, costuma fazer em todas as suas epístolas, nas quais há certas coisas difíceis de entender, que os ignorantes e instáveis deturpam, como também deturpam as demais Escrituras, para a própria destruição deles.

[17] Vós, pois, amados, prevenidos como estais de antemão, acautelai-vos; não suceda que, arrastados pelo erro desses insubordinados, descaiais da vossa própria firmeza;

[18] antes, crescei na graça e no conhecimento de nosso SENHOR e Salvador Jesus Cristo. A ele seja a glória, tanto agora como no dia eterno.

abanjani ekuhambeni okungcwele nase kumesabeni uNkulunkulu,

[12] nibheka nilangazelela ukufika kosuku lukaNkulunkulu ayakubhidlika ngalo amazulu, ashe, konke kushe, kuncibilike, na?

[13]Kepha siyalindela ngesithembiso sakhe amazulu amasha nomhlaba omusha okukhona kuwo ukulunga.

[14] Ngakho, bathandekayo, lokhu nibheka lezo zinto, khuthalelani ukuba nifunyanwe ninokuthula, ningenabala, ningenacala kuye,

[15]nithi ukubekezela kweNkosi yethu kungukusindiswa, njengalokho nomzalwane wethu othandekayo uPawulu wanilobela njengokuhlakanipha ayekuphiweyo,

[16]njengalokhu nasezincwadini zonke ekhuluma kuzo ngalezo zinto, okukhona kuzo okunye okulukhuni ukuzwisiswa, okuthi abangafundile nabangaqinile bakuhlanekezela, njengalokhu benze njalo nangezinye izincwadi, kube ngukubhujiswa kwabo.

[17] Ngakho, bathandekayo, njengokuba nazi lokhu ngaphambili, xwayani, ukuze ningadukiswa ngokukhohlisa kwabangenamthetho, niwe ekuqineni kwenu,

[18] kepha khulani emseni nasekwazini iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. Inkazimulo mayibe kuye namanje nakuze kube lusuku lwaphakade.

Primeira epístola de João	1 kaJohane

1 João 1

Prólogo. O Verbo da vida e a comunhão com Deus

[1] O que era desde o princípio, o que temos ouvido, o que temos visto com os nossos próprios olhos, o que contemplamos, e as nossas mãos apalparam, com respeito ao Verbo da vida

[2] (e a vida se manifestou, e nós a temos visto, e dela damos testemunho, e vo-la anunciamos, a vida eterna, a qual estava com o Pai e nos foi manifestada),

[3] o que temos visto e ouvido anunciamos também a vós outros, para que vós, igualmente, mantenhais comunhão conosco. Ora, a nossa comunhão é com o Pai e com seu Filho, Jesus Cristo.

[4] Estas coisas, pois, vos escrevemos para que a nossa alegria seja completa.

Deus é luz. O pecado, a confissão, o perdão, a propiciação

[5] Ora, a mensagem que, da parte dele, temos ouvido e vos anunciamos é esta: que Deus é luz, e não há nele treva nenhuma.

[6] Se dissermos que mantemos comunhão com ele e andarmos nas trevas, mentimos e não praticamos a verdade.

[7] Se, porém, andarmos na luz, como ele está na luz, mantemos comunhão uns com os outros, e o sangue de Jesus, seu Filho, nos purifica de todo pecado.

1 kaJohane 1

Izwi liyabonakaliswa ngoKristu

[1] Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okwezwi lokuphila --

[2]lokho kuphila kwabonakaliswa, sakubona, siyaqinisa sinishumayeza lokho kuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina --

[3]lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe nenhlanganyelo nathi. Kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Kristu.

[4] Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele.

Ukuhamba ekukhanyeni

[5] Nanti izwi esalizwa kuye, sinishumayeza lona lokuthi uNkulunkulu ungukukhanya, ubumnyama abukho kuye nakanye.

[6] Uma sithi sinenhlanganyelo naye sibe sisahamba ebumnyameni, sinamanga, asenzi iqiniso;

[7] kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena uqobo esekukhanyeni, khona sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.

[8] Se dissermos que não temos pecado nenhum, a nós mesmos nos enganamos, e a verdade não está em nós.

[9] Se confessarmos os nossos pecados, ele é fiel e justo para nos perdoar os pecados e nos purificar de toda injustiça.

[10] Se dissermos que não temos cometido pecado, fazemo-lo mentiroso, e a sua palavra não está em nós.

[8] Uma sithi asinasono, siyazikhohlisa, neqiniso alikho kithi.

[9]Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.

[10]Uma sithi asonanga, simenza umqambimanga, nezwi lakhe alikho kithi.

1 João 2

[1] Filhinhos meus, estas coisas vos escrevo para que não pequeis. Se, todavia, alguém pecar, temos Advogado junto ao Pai, Jesus Cristo, o Justo;

[2] e ele é a propiciação pelos nossos pecados e não somente pelos nossos próprios, mas ainda pelos do mundo inteiro.

[3] Ora, sabemos que o temos conhecido por isto: se guardamos os seus mandamentos.

[4] Aquele que diz: Eu o conheço e não guarda os seus mandamentos é mentiroso, e nele não está a verdade.

[5] Aquele, entretanto, que guarda a sua palavra, nele, verdadeiramente, tem sido aperfeiçoado o amor de Deus. Nisto sabemos que estamos nele:

[6] aquele que diz que permanece nele, esse deve também andar assim como ele andou.

O antigo e o novo mandamentos: o amor fraternal

[7] Amados, não vos escrevo mandamento novo, senão mandamento antigo, o qual, desde o princípio, tivestes. Esse

1 kaJohane 2

UJesu Kristu unguMmeli

[1] Bantwana bami, nginilobela lokhu ukuba ningoni. Kepha uma umuntu ona, sinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo;

[2] yena uyinhlawulo ngezono zethu, kungengezethu zodwa kodwa nangezezwe lonke.

[3]Ngalokho siyazi ukuthi siyamazi yena, uma sigcina imiyalo yakhe.

[4]Lowo othi: Ngiyamazi, engagcini imiyalo yakhe, ungumqambimanga, iqiniso alikho kuye;

[5] kepha ogcina izwi lakhe, uthando lukaNkulunkulu luphelelisiwe kuye impela. Ngalokho siyazi ukuthi sikuye;

[6] lowo othi uhlala kuye, yena umelwe ukuhamba njengalokho ahamba yena.

Umyalo omusha

[7] Bathandekayo, anginilobeli umyalo omusha, kodwa umyalo omdala

mandamento antigo é a palavra que ouvistes.

[8] Todavia, vos escrevo novo mandamento, aquilo que é verdadeiro nele e em vós, porque as trevas se vão dissipando, e a verdadeira luz já brilha.

[9] Aquele que diz estar na luz e odeia a seu irmão, até agora, está nas trevas.

[10] Aquele que ama a seu irmão permanece na luz, e nele não há nenhum tropeço.

[11] Aquele, porém, que odeia a seu irmão está nas trevas, e anda nas trevas, e não sabe para onde vai, porque as trevas lhe cegaram os olhos.

A vitória sobre o Maligno

[12] Filhinhos, eu vos escrevo, porque os vossos pecados são perdoados, por causa do seu nome.

[13] Pais, eu vos escrevo, porque conheceis aquele que existe desde o princípio. Jovens, eu vos escrevo, porque tendes vencido o Maligno.

[14] Filhinhos, eu vos escrevi, porque conheceis o Pai. Pais, eu vos escrevi, porque conheceis aquele que existe desde o princípio. Jovens, eu vos escrevi, porque sois fortes, e a palavra de Deus permanece em vós, e tendes vencido o Maligno.

Não se deve amar o mundo

[15] Não ameis o mundo nem as coisas que há no mundo. Se alguém amar o mundo, o amor do Pai não está nele;

enaninawo kwasekuqaleni; umyalo omdala uyizwi enalizwayo.

[8] Futhi nginilobela umyalo omusha owona uyiqiniso kuye nakini, ngokuba ubumnyama buyadlula nokukhanya kweqiniso sekuyakhanya.

[9] Lowo othi usekukhanyeni, abe ezonda umzalwane wakhe, usesebumnyameni kuze kube kalokhu.

[10]Othanda umzalwane wakhe uhlala ekukhanyeni, akukho sikhubekiso kuye;

[11] kepha ozonda umzalwane wakhe usebumnyameni, uhamba ebumnyameni, akazi lapho eya khona, ngokuba ubumnyama buwaphuphuthekisile amehlo akhe.

[12]Ngilobela nina bantwanyana, ngokuba nithethelelwe izono ngenxa yegama lakhe.

[13] Ngilobela nina boyise, ngokuba niyamazi yena okhona kwasekuqaleni. Ngilobela nina zinsizwa, ngokuba nimnqobile omubi.

[14]Nginilobele, bantwanyana, ngokuba niyamazi uYise. Nginilobele, boyise, ngokuba niyamazi yena okhona kwasekuqaleni. Nginilobele, zinsizwa, ngokuba ninamandla, izwi likaNkulunkulu lihlala kini, nimnqobile omubi.

Isixwayiso sokungathandi izwe

[15] Ningathandi izwe nezinto ezisezweni. Uma umuntu ethanda izwe, uthando lukaYise alukho kuye,

[16] porque tudo que há no mundo, a concupiscência da carne, a concupiscência dos olhos e a soberba da vida, não procede do Pai, mas procede do mundo.

[17] Ora, o mundo passa, bem como a sua concupiscência; aquele, porém, que faz a vontade de Deus permanece eternamente.

Os anticristos

[18] Filhinhos, já é a última hora; e, como ouvistes que vem o anticristo, também, agora, muitos anticristos têm surgido; pelo que conhecemos que é a última hora.

[19] Eles saíram de nosso meio; entretanto, não eram dos nossos; porque, se tivessem sido dos nossos, teriam permanecido conosco; todavia, eles se foram para que ficasse manifesto que nenhum deles é dos nossos.

[20] E vós possuís unção que vem do Santo e todos tendes conhecimento.

[21] Não vos escrevi porque não saibais a verdade; antes, porque a sabeis, e porque mentira alguma jamais procede da verdade.

[22] Quem é o mentiroso, senão aquele que nega que Jesus é o Cristo? Este é o anticristo, o que nega o Pai e o Filho.

[23] Todo aquele que nega o Filho, esse não tem o Pai; aquele que confessa o Filho tem igualmente o Pai.

[24] Permaneça em vós o que ouvistes desde o princípio. Se em vós permanecer o que

[16] ngokuba konke okusezweni, inkanuko yenyama, nenkanuko yamehlo, nokuzigabisa ngalokhu kuphila, akuveli kuYise, kodwa kuvela ezweni.

[17] Izwe liyadlula kanye nenkanuko yalo; kepha owenza intando kaNkulunkulu uhlala kuze kube phakade.

Ukufika kwabaphikukristu

[18] Bantwanyana, sekuyisikhathi sokugcina, njengalokho nezwa ukuthi umphikukristu uyeza, nakalokhu sekukhona abaphikukristu abaningi; ngalokho siyazi ukuthi sekuyisikhathi sokugcina.

[19] Baphuma kithi, kodwa babengesibo abakithi; ngokuba uma bebengabakithi, babeyakuhlala nathi; kodwa baphuma, ukuze babonakaliswe ukuthi bonke abasibo abakithi.

[20] Nina ninokugcotshwa okuvela koNgcwele, niyazi nonke.

[21]Anginilobelanga ngokuba ningalazi iqiniso, kodwa ngokuba niyalazi nangokuba akukho manga avela eqinisweni.

[22] Ngubani ongumqambimanga, uma kungesiye ophika ukuthi uJesu unguKristu na? Nguye ongumphikukristu ophika uYise neNdodana.

[23] Yilowo nalowo ophika iNdodana akanaye uYise; ovuma iNdodana unaye noYise.

[24]Lokho enakuzwayo kwasekuqaleni, makuhlale kinina. Uma kuhlala kini

desde o princípio ouvistes, também permanecereis vós no Filho e no Pai.

25 E esta é a promessa que ele mesmo nos fez, a vida eterna.

26 Isto que vos acabo de escrever é acerca dos que vos procuram enganar.

A unção do Espírito Santo

27 Quanto a vós outros, a unção que dele recebestes permanece em vós, e não tendes necessidade de que alguém vos ensine; mas, como a sua unção vos ensina a respeito de todas as coisas, e é verdadeira, e não é falsa, permanecei nele, como também ela vos ensinou.

28 Filhinhos, agora, pois, permanecei nele, para que, quando ele se manifestar, tenhamos confiança e dele não nos afastemos envergonhados na sua vinda.

29 Se sabeis que ele é justo, reconhecei também que todo aquele que pratica a justiça é nascido dele.

1 João 3

Deus é Pai e é santo. Seus filhos são também santos

1 Vede que grande amor nos tem concedido o Pai, a ponto de sermos chamados filhos de Deus; e, de fato, somos filhos de Deus. Por essa razão, o mundo não nos conhece, porquanto não o conheceu a ele mesmo.

2 Amados, agora, somos filhos de Deus, e ainda não se manifestou o que haveremos de ser. Sabemos que, quando ele se manifestar, seremos semelhantes a ele, porque haveremos de vê-lo como ele é.

enakuzwayo kwasekuqaleni, nani niyakuhlala kuyo iNdodana nakuye uYise.

25 Yilesi isithembiso yena asethembisa sona: ukuphila okuphakade.

26Nganilobela lokho ngabo abanidukisayo.

27 Nina-ke, ukugcoba enakwamukela kuye kuhlala kini, anidingi ukuba nobani anifundise; kodwa lokhu ukugcoba kwakhe okunifundisa khona ngakho konke kuyiqiniso, akusiwo amanga, nanjengokuba kunifundisile, hlalani kuye.

28 Nakalokhu, bantwanyana, hlalani kuye, ukuze, nxa ebonakala, sibe nesibindi, singabi namahloni sinyibe kuye ekubonakaleni kwakhe.

29 Uma nazi ukuthi ulungile, yazini ukuthi yilowo nalowo owenza ukulunga uzelwe nguye.

1 kaJohane 3

Uphawu lwabantwana bakaNkulunkulu

1 Bhekani uthando olungaka asinike lona uBaba lokuba sithiwe singabantwana bakaNkulunkulu; futhi siyibo. Ngalokho izwe alisazi, ngokuba alimazanga yena.

2 Bathandekayo, manje singabantwana bakaNkulunkulu, kepha akukabonakali esiyakuba yikho. Siyazi ukuthi, nxa ebonakaliswa, siyakuba njengaye, ngokuba siyakumbona njengokuba enjalo.

[3] E a si mesmo se purifica todo o que nele tem esta esperança, assim como ele é puro.

[4] Todo aquele que pratica o pecado também transgride a lei, porque o pecado é a transgressão da lei.

[5] Sabeis também que ele se manifestou para tirar os pecados, e nele não existe pecado.

[6] Todo aquele que permanece nele não vive pecando; todo aquele que vive pecando não o viu, nem o conheceu.

Os filhos de Deus e os filhos do Maligno

[7] Filhinhos, não vos deixeis enganar por ninguém; aquele que pratica a justiça é justo, assim como ele é justo.

[8] Aquele que pratica o pecado procede do diabo, porque o diabo vive pecando desde o princípio. Para isto se manifestou o Filho de Deus: para destruir as obras do diabo.

[9] Todo aquele que é nascido de Deus não vive na prática de pecado; pois o que permanece nele é a divina semente; ora, esse não pode viver pecando, porque é nascido de Deus.

[10] Nisto são manifestos os filhos de Deus e os filhos do diabo: todo aquele que não pratica justiça não procede de Deus, nem aquele que não ama a seu irmão.

O amor aos irmãos e o ódio ao mundo

[11] Porque a mensagem que ouvistes desde o princípio é esta: que nos amemos uns aos outros;

[12] não segundo Caim, que era do Maligno e assassinou a seu irmão; e por que o

[3] Bonke abanalo lelo themba kuye bayazihlambulula, njengokuba yena ehlambulukile.

[4] Bonke abenza isono bayeqa nomthetho, ngokuba isono singukweqa umthetho.

[5] Senazi ukuthi yena wabonakaliswa, ukuze asuse izono; akukho sono kuye.

[6] Lowo ohlala kuye akoni; lowo owonayo akambonanga, futhi akamazi.

[7] Bantwanyana, maningadukiswa muntu; owenza ukulunga ulungile, njengokuba yena elungile;

[8] owenza isono ungokaSathane, ngokuba uSathane uyona kwasekuqaleni. INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane.

[9] Lowo ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono, ngokuba imbewu yakhe ihlala kuye; futhi akanakona, ngokuba uzelwe nguNkulunkulu.

[10] Ngalokho kubonakala abantwana bakaNkulunkulu nabantwana bakaSathane; lowo ongenzi ukulunga akasiye okaNkulunkulu, naye ongamthandi umzalwane wakhe.

[11] Nanti izwi enalizwayo kwasekuqaleni lokuba sithandane,

[12]kungabi njengoKayini owaba ngowomubi, wabulala umfowabo;

assassinou? Porque as suas obras eram más, e as de seu irmão, justas.

[13] Irmãos, não vos maravilheis se o mundo vos odeia.

[14] Nós sabemos que já passamos da morte para a vida, porque amamos os irmãos; aquele que não ama permanece na morte.

[15] Todo aquele que odeia a seu irmão é assassino; ora, vós sabeis que todo assassino não tem a vida eterna permanente em si.

[16] Nisto conhecemos o amor: que Cristo deu a sua vida por nós; e devemos dar nossa vida pelos irmãos.

[17] Ora, aquele que possuir recursos deste mundo, e vir a seu irmão padecer necessidade, e fechar-lhe o seu coração, como pode permanecer nele o amor de Deus?

[18] Filhinhos, não amemos de palavra, nem de língua, mas de fato e de verdade.

[19] E nisto conheceremos que somos da verdade, bem como, perante ele, tranqüilizaremos o nosso coração;

[20] pois, se o nosso coração nos acusar, certamente, Deus é maior do que o nosso coração e conhece todas as coisas.

[21] Amados, se o coração não nos acusar, temos confiança diante de Deus;

[22] e aquilo que pedimos dele recebemos, porque guardamos os seus mandamentos

wambulalelani na? Ngokuba imisebenzi yakhe yayimibi, kepha eyomfowabo yayilungile.

Uthando lwabazalwane

[13] Ningamangali, bazalwane, uma izwe linizonda.

[14] Siyazi ukuthi sidlulile ekufeni, sangena ekuphileni, ngokuba sithanda abazalwane; ongathandiyo uhlezi ekufeni.

[15] Lowo ozonda umzalwane wakhe ungumbulali; niyazi ukuthi akukho mbulali onokuphila okuphakade okuhlezi kuye.

[16] Uthando silwazi ngalokho ukuthi yena wabeka ukuphila kwakhe ngenxa yethu; nathi sifanele ukubeka ukuphila ngenxa yabazalwane.

[17]Kepha yena onemfuyo yezwe, ebona umzalwane wakhe eswele, amvalele isihawu sakhe, uthando lukaNkulunkulu lungahlala kanjani kuye na?

[18]Bantwanyana, masingathandi ngezwi nangolimi, kodwa ngezenzo nangeqiniso.

Ukuba nesibindi phambi kukaNkulunkulu

[19]Ngalokho siyazi ukuthi singabeqiniso; sizakuyithulisa inhliziyo yethu phambi kwakhe

[20] ngokuthi uma inhliziyo yethu isilahla, uNkulunkulu mkhulu kunenhliziyo yethu, futhi uyazi konke.

[21] Bathandekayo, uma inhliziyo ingasilahli, sinesibindi kuNkulunkulu,

[22] nesikucelayo siyakukwamukeliswa nguye, ngokuba sigcina imiyalo yakhe, senza okuthandekayo ebusweni bakhe.

e fazemos diante dele o que lhe é agradável.

23 Ora, o seu mandamento é este: que creiamos em o nome de seu Filho, Jesus Cristo, e nos amemos uns aos outros, segundo o mandamento que nos ordenou.

24 E aquele que guarda os seus mandamentos permanece em Deus, e Deus, nele. E nisto conhecemos que ele permanece em nós, pelo Espírito que nos deu.

23 Yilo umyalo wakhe ukuba sikholwe egameni leNdodana yakhe uJesu Kristu, sithandane, njengokuba asinika umyalo.

24 Ogcina imiyalo yakhe uhlala kuye, naye uqobo uhlala kuye; siyazi ngalokho ukuthi uhlala kithi ngaye uMoya asinike yena.

1 João 4

Os falsos profetas e os verdadeiros crentes

1 Amados, não deis crédito a qualquer espírito; antes, provai os espíritos se procedem de Deus, porque muitos falsos profetas têm saído pelo mundo fora.

2 Nisto reconheceis o Espírito de Deus: todo espírito que confessa que Jesus Cristo veio em carne é de Deus;

3 e todo espírito que não confessa a Jesus não procede de Deus; pelo contrário, este é o espírito do anticristo, a respeito do qual tendes ouvido que vem e, presentemente, já está no mundo.

4 Filhinhos, vós sois de Deus e tendes vencido os falsos profetas, porque maior é aquele que está em vós do que aquele que está no mundo.

5 Eles procedem do mundo; por essa razão, falam da parte do mundo, e o mundo os ouve.

1 kaJohane 4

Hlolani omoya

1 Bathandekayo, maningakholwa yibo bonke omoya, kepha hlolani omoya ukuthi bangabakaNkulunkulu yini; ngokuba baningi abaprofethi bamanga abaphumele ezweni.

2 Yazini uMoya kaNkulunkulu ngalokhu: bonke omoya abavuma ukuthi uJesu Kristu ufikile enyameni bangabakaNkulunkulu;

3 lowo moya ongamvumi uJesu akasiye okaNkulunkulu; lowo ungowomphikukristu enizwe ngaye ukuthi uyeza, nakalokhu usefikile ezweni.

4 NingabakaNkulunkulu nina bantwanyana, nibahlulile, ngokuba lowo okini mkhulu kunaye osezweni.

5 Bona bangabezwe; ngalokho bakhuluma okwezwe, nezwe liyabezwa.

[6] Nós somos de Deus; aquele que conhece a Deus nos ouve; aquele que não é da parte de Deus não nos ouve. Nisto reconhecemos o espírito da verdade e o espírito do erro.

Deus é amor

[7] Amados, amemo-nos uns aos outros, porque o amor procede de Deus; e todo aquele que ama é nascido de Deus e conhece a Deus.

[8] Aquele que não ama não conhece a Deus, pois Deus é amor.

[9] Nisto se manifestou o amor de Deus em nós: em haver Deus enviado o seu Filho unigênito ao mundo, para vivermos por meio dele.

[10] Nisto consiste o amor: não em que nós tenhamos amado a Deus, mas em que ele nos amou e enviou o seu Filho como propiciação pelos nossos pecados.

[11] Amados, se Deus de tal maneira nos amou, devemos nós também amar uns aos outros.

[12] Ninguém jamais viu a Deus; se amarmos uns aos outros, Deus permanece em nós, e o seu amor é, em nós, aperfeiçoado.

[13] Nisto conhecemos que permanecemos nele, e ele, em nós: em que nos deu do seu Espírito.

[14] E nós temos visto e testemunhamos que o Pai enviou o seu Filho como Salvador do mundo.

[6] Thina singabakaNkulunkulu; omaziyo uNkulunkulu uyasizwa, ongesiye okaNkulunkulu akasizwa. Ngalokho siyamazi umoya weqiniso nomoya wokuduka.

Ukuthanda uNkulunkulu nokuthanda abantu

[7] Bathandekayo, masithandane, ngokuba uthando luvela kuNkulunkulu, nabo bonke abathandayo bazelwe nguNkulunkulu, bayamazi uNkulunkulu.

[8]Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando.

[9] Uthando lukaNkulunkulu lwabonakaliswa kithi ngalokho ukuthi uNkulunkulu wathumela ezweni iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba siphile ngayo.

[10] Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo ngezono zethu.

[11]Bathandekayo, uma uNkulunkulu wasithanda kanjalo, nathi simelwe ukuthandana.

[12] UNkulunkulu akazange abonwe muntu; uma sithandana, uNkulunkulu uhlala kithi, nothando lwakhe luphelele kithi.

[13] Ngalokho siyazi ukuthi sihlala kuye, naye kithi, ngokuba usiphile okukaMoya wakhe.

[14] Thina sibonile, siyafakaza ukuthi uYise wayithuma iNdodana ibe nguMsindisi wezwe.

[15] Aquele que confessar que Jesus é o Filho de Deus, Deus permanece nele, e ele, em Deus.

[16] E nós conhecemos e cremos no amor que Deus tem por nós. Deus é amor, e aquele que permanece no amor permanece em Deus, e Deus, nele.

[17] Nisto é em nós aperfeiçoado o amor, para que, no Dia do Juízo, mantenhamos confiança; pois, segundo ele é, também nós somos neste mundo.

[18] No amor não existe medo; antes, o perfeito amor lança fora o medo. Ora, o medo produz tormento; logo, aquele que teme não é aperfeiçoado no amor.

[19] Nós amamos porque ele nos amou primeiro.

[20] Se alguém disser: Amo a Deus, e odiar a seu irmão, é mentiroso; pois aquele que não ama a seu irmão, a quem vê, não pode amar a Deus, a quem não vê.

[21] Ora, temos, da parte dele, este mandamento: que aquele que ama a Deus ame também a seu irmão.

1 João 5

A fé que vence o mundo

[1] Todo aquele que crê que Jesus é o Cristo é nascido de Deus; e todo aquele que ama

[15] Lowo ovuma ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu uhlala kuye, naye kuNkulunkulu.

[16] Thina siyalwazi, sikholwa yilo lolu thando uNkulunkulu analo kithina. UNkulunkulu uluthando, nohlala othandweni uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala kuye.

[17] Ngalokho uthando luphelelisiwe kithi, ukuze sibe nesibindi ngosuku lokwahlulelwa, ngokuba njengalokhu enjalo yena, sinjalo nathi kuleli zwe.

[18] Akukho ukwesaba othandweni, kepha uthando olupheleleyo luyaxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunesijeziso, nowesabayo akaphelele othandweni.

[19]Thina siyathanda, ngokuba yena wasithanda kuqala.

[20] Uma umuntu esho ukuthi: Ngiyamthanda uNkulunkulu, kepha ezonda umzalwane wakhe, ungumqambimanga; ngokuba ongathandi umzalwane wakhe ambonileyo angemthande uNkulunkulu angambonanga.

[21]Yebo, lo myalo sinawo, uvela kuNkulunkulu, wokuthi othanda uNkulunkulu makathande nomzalwane wakhe.

1 kaJohane 5

Ukukholwa namandla akho okunqoba

[1] Yilowo nalowo okholwa ukuthi uJesu unguKristu uzelwe nguNkulunkulu,

ao que o gerou também ama ao que dele é nascido.

[2] Nisto conhecemos que amamos os filhos de Deus: quando amamos a Deus e praticamos os seus mandamentos.

[3] Porque este é o amor de Deus: que guardemos os seus mandamentos; ora, os seus mandamentos não são penosos,

[4] porque todo o que é nascido de Deus vence o mundo; e esta é a vitória que vence o mundo: a nossa fé.

[5] Quem é o que vence o mundo, senão aquele que crê ser Jesus o Filho de Deus?

O tríplice testemunho sobre Cristo

[6] Este é aquele que veio por meio de água e sangue, Jesus Cristo; não somente com água, mas também com a água e com o sangue. E o Espírito é o que dá testemunho, porque o Espírito é a verdade.

[7] Pois há três que dão testemunho [no céu: o Pai, a Palavra e o Espírito Santo; e estes três são um.

[8] E três são os que testificam na terra]: o Espírito, a água e o sangue, e os três são unânimes num só propósito.

[9] Se admitimos o testemunho dos homens, o testemunho de Deus é maior; ora, este é o testemunho de Deus, que ele dá acerca do seu Filho.

[10] Aquele que crê no Filho de Deus tem, em si, o testemunho. Aquele que não dá crédito a Deus o faz mentiroso, porque não

nalowo othanda ozeleyo uthanda naye ozelwe nguye.

[2]Ngalokho siyazi ukuthi siyabathanda abantwana bakaNkulunkulu, nxa sithanda uNkulunkulu, senza imiyalo yakhe.

[3] Ngokuba ukuthanda uNkulunkulu yilokhu ukuba sigcine imiyalo yakhe; nemiyalo yakhe ayinzima,

[4] ngokuba konke okuzelwe nguNkulunkulu kuyalinqoba izwe; lokhu kuyinqobo enqobe izwe: ukukholwa kwethu.

[5] Ngubani onqoba izwe, uma kungesiye okholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu na?

[6] Nguye lo oweza ngamanzi nangegazi, uJesu Kristu, kungengamanzi odwa kodwa ngamanzi nangegazi; noMoya ungofakazayo, ngokuba uMoya uyiqiniso.

[7]Ngokuba bathathu abafakazayo,

[8]uMoya, namanzi, negazi; labo abathathu bavumelana entweni inye.

[9] Uma samukela ubufakazi babantu, ubufakazi bukaNkulunkulu bukhulu kunalobo, ngokuba ubufakazi bukaNkulunkulu buyilobu abufakazile ngeNdodana yakhe.

[10] Okholwa yiNdodana kaNkulunkulu unobufakazi phakathi kwakhe. Ongakholwa nguNkulunkulu umenze

crê no testemunho que Deus dá acerca do seu Filho.

[11] E o testemunho é este: que Deus nos deu a vida eterna; e esta vida está no seu Filho.

[12] Aquele que tem o Filho tem a vida; aquele que não tem o Filho de Deus não tem a vida.

O poder da intercessão

[13] Estas coisas vos escrevi, a fim de saberdes que tendes a vida eterna, a vós outros que credes em o nome do Filho de Deus.

[14] E esta é a confiança que temos para com ele: que, se pedirmos alguma coisa segundo a sua vontade, ele nos ouve.

[15] E, se sabemos que ele nos ouve quanto ao que lhe pedimos, estamos certos de que obtemos os pedidos que lhe temos feito.

[16] Se alguém vir a seu irmão cometer pecado não para morte, pedirá, e Deus lhe dará vida, aos que não pecam para morte. Há pecado para morte, e por esse não digo que rogue.

[17] Toda injustiça é pecado, e há pecado não para morte.

[18] Sabemos que todo aquele que é nascido de Deus não vive em pecado; antes, Aquele que nasceu de Deus o guarda, e o Maligno não lhe toca.

[19] Sabemos que somos de Deus e que o mundo inteiro jaz no Maligno.

Cristo é verdadeiro Deus e deve ser adorado

umqambimanga, ngokuba engakholwanga ngubufakazi uNkulunkulu abufakazile ngeNdodana yakhe.

[11] Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhu kuphila kuseNdodaneni yakhe.

[12] Onayo iNdodana unokuphila; ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.

[13] Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu.

[14] Yilesi sibindi esinaso kuye sokuthi, uma sicela utho ngokwentando yakhe, uyasizwa.

[15] Uma sazi ukuthi uyasizwa noma sicelani, siyazi ukuthi sinakho esikucelileyo, esikucele kuye.

[16] Uma umuntu ebona umzalwane wakhe ona ngesono esingesiso esokufa, makacele, uyakumnika ukuphila, ekunika labo abenza isono esingesiso esokufa. Sikhona isono sokufa; angisho ukuba kucelwe ngaleso.

[17] Konke ukungalungi kuyisono; kukhona isono esingesiso esokufa.

[18] Siyazi ukuthi yilowo nalowo ozelwe nguNkulunkulu akoni, ngokuba ozelwe nguNkulunkulu uyazigcina, nomubi akamthinti.

[19]Siyazi ukuthi singabakaNkulunkulu nokuthi izwe lonke limi ebubini.

[20] Também sabemos que o Filho de Deus é vindo e nos tem dado entendimento para reconhecermos o verdadeiro; e estamos no verdadeiro, em seu Filho, Jesus Cristo. Este é o verdadeiro Deus e a vida eterna.

[21] Filhinhos, guardai-vos dos ídolos.

[20]Kepha sazi ukuthi iNdodana kaNkulunkulu isifikile, yasinika ingqondo ukuze simazi oweqiniso; sikuye oweqiniso, kuyo iNdodana yakhe uJesu Kristu. Yena unguNkulunkulu oqinisileyo nokuphila okuphakade.

[21] Bantwanyana, zilindeni ezithombeni.

Segunda epístola de João

2 João 1

Prefácio e saudação

[1] O presbítero à senhora eleita e aos seus filhos, a quem eu amo na verdade e não somente eu, mas também todos os que conhecem a verdade,

[2] por causa da verdade que permanece em nós e conosco estará para sempre,

[3] a graça, a misericórdia e a paz, da parte de Deus Pai e de Jesus Cristo, o Filho do Pai, serão conosco em verdade e amor.

O amor fraternal

[4] Fiquei sobremodo alegre em ter encontrado dentre os teus filhos os que andam na verdade, de acordo com o mandamento que recebemos da parte do Pai.

[5] E agora, senhora, peço-te, não como se escrevesse mandamento novo, senão o que tivemos desde o princípio: que nos amemos uns aos outros.

[6] E o amor é este: que andemos segundo os seus mandamentos. Este mandamento, como ouvistes desde o princípio, é que andeis nesse amor.

Os falsos ensinadores e como tratá-los

[7] Porque muitos enganadores têm saído pelo mundo fora, os quais não confessam Jesus Cristo vindo em carne; assim é o enganador e o anticristo.

[8] Acautelai-vos, para não perderdes aquilo que temos realizado com esforço, mas para receberdes completo galardão.

2 kaJohane

2 kaJohane 1

[1] Ilunga kuyo inkosikazi ekhethiweyo nabantwana bayo, engibathanda ngeqiniso, kungeyimi ngedwa kodwa nabo bonke abalaziyo iqiniso,

[2] ngenxa yeqiniso elihlala kithi neliyakuba nathi kuze kube phakade.

[3] Kuzakuba nathi umusa, nesihawu, nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuye uJesu Kristu iNdodana kaYise ngeqiniso nangothando.

Ukuyala ngothando

[4] Ngithokozile kakhulu, ngokuba kubantwana bakho ngifumene abahamba eqinisweni, njengalokho samukele umyalo kuBaba.

[5]Nakalokhu ngiyakunxusa, nkosikazi, kungengokungathi ngikulobela umyalo omusha kodwa lowo esasinawo kwasekuqaleni ukuba sithandane.

[6] Yilolu-ke uthando ukuba sihambe ngokwemiyalo yakhe; yiwo umyalo ukuba nihambe ngawo, njengalokho nezwa kwasekuqaleni.

Ukuxwayisa ngabakhohlisi nangomphikukristu

[7] Ngokuba abakhohlisi abaningi baphumele ezweni, labo abangamvumi uJesu Kristu ukuthi uzile ngenyama; lowo ungumkhohlisi nomphikukristu.

[8] Ziqapheleni nina, ukuze ningalahlekelwa ngesikusebenzileyo, kodwa namukele umvuzo opheleleyo.

[9] Todo aquele que ultrapassa a doutrina de Cristo e nela não permanece não tem Deus; o que permanece na doutrina, esse tem tanto o Pai como o Filho.

[10] Se alguém vem ter convosco e não traz esta doutrina, não o recebais em casa, nem lhe deis as boas-vindas.

[11] Porquanto aquele que lhe dá boas-vindas faz-se cúmplice das suas obras más.

Informações finais. Saudações

[12] Ainda tinha muitas coisas que vos escrever; não quis fazê-lo com papel e tinta, pois espero ir ter convosco, e conversaremos de viva voz, para que a nossa alegria seja completa.

[13] Os filhos da tua irmã eleita te saúdam.

[9] Lowo oweqisayo engemi ekufundiseni kukaKristu akanaye uNkulunkulu; ohlezi ekufundiseni lowo unaye uYise neNdodana.

[10] Uma kufika umuntu kini engalethi lokho kufundisa, ningamamukeli endlini yenu, ningambingeleli;

[11] ngokuba ombingelelayo uhlanganyela naye emisebenzini yakhe emibi.

Isigcino

[12] Nginokuningi kokunilobela, angithandanga ukukuloba ngephepha noyinki, kodwa ngiyethemba ukuza kini, ngikhulume nani umlomo nomlomo, ukuze ukuthokoza kwethu kuphelele.

[13]Abantwana bakadadewenu okhethiweyo bayakhonza kuwe.

Terceira epístola de João	3 kaJohane

3 João 1

Prefácio e saudação

[1] O presbítero ao amado Gaio, a quem eu amo na verdade.

[2] Amado, acima de tudo, faço votos por tua prosperidade e saúde, assim como é próspera a tua alma.

[3] Pois fiquei sobremodo alegre pela vinda de irmãos e pelo seu testemunho da tua verdade, como tu andas na verdade.

[4] Não tenho maior alegria do que esta, a de ouvir que meus filhos andam na verdade.

O bom exemplo de Gaio

[5] Amado, procedes fielmente naquilo que praticas para com os irmãos, e isto fazes mesmo quando são estrangeiros,

[6] os quais, perante a igreja, deram testemunho do teu amor. Bem farás encaminhando-os em sua jornada por modo digno de Deus;

[7] pois por causa do Nome foi que saíram, nada recebendo dos gentios.

[8] Portanto, devemos acolher esses irmãos, para nos tornarmos cooperadores da verdade.

Diótrefes, o ambicioso. Demétrio, fiel cristão

[9] Escrevi alguma coisa à igreja; mas Diótrefes, que gosta de exercer a primazia entre eles, não nos dá acolhida.

[10] Por isso, se eu for aí, far-lhe-ei lembradas as obras que ele pratica, proferindo contra nós palavras maliciosas.

3 kaJohane 1

Isibingelelo

[1] Ilunga kuye uGayu othandekayo engimthanda ngeqiniso.

[2]Sithandwa, kunakho konke ngikufisela ukuba ube nenhlanhla nokuphila, njengokuba umphefumulo wakho unenhlanhla.

[3] Ngokuba ngathokoza lapha kufika abazalwane befakazela iqiniso lakho, njengokuba uhamba eqinisweni.

Ukungenisa abazalwane

[4]Anginayo intokozo enkulu kunaleyo yokuba ngizwe ukuthi abantwana bami bahamba eqinisweni.

[5]Sithandwa, wenza okuthembekileyo ngalokho okwenzele abazalwane nokuba bengabafo

[6] abafakazele uthando lwakho phambi kwebandla; uzakwenza kahle, uma ubaphelekezela ngokufanele uNkulunkulu;

[7]ngokuba ngenxa yeGama baphuma bengathathi lutho kwabezizwe.

[8]Ngalokho-ke thina sifanele ukubamukela abanjalo, ukuze sibe yizisebenzi zeqiniso kanye nabo.

Isibonelo esihle nesibi

[9] Ngalobela ibandla okuthile, kodwa uDiyotrefe othanda ukuba abe mkhulu phakathi kwabo akasamukeli thina.

[10] Ngalokho uma ngiza, ngiyakumkhumbuza imisebenzi yakhe ayenzayo, esihleba ngamazwi amabi; futhi

E, não satisfeito com estas coisas, nem ele mesmo acolhe os irmãos, como impede os que querem recebê-los e os expulsa da igreja.

enganelisiwe nayilokho akabamukeli abazalwane yena, nabavumayo uyabanqabela, abakhiphe ebandleni.

11 Amado, não imites o que é mau, senão o que é bom. Aquele que pratica o bem procede de Deus; aquele que pratica o mal jamais viu a Deus.

11 Sithandwa, ungalandeli okubi kodwa okuhle. Owenza okuhle ungokaNkulunkulu; owenza okubi akambonanga uNkulunkulu.

12 Quanto a Demétrio, todos lhe dão testemunho, até a própria verdade, e nós também damos testemunho; e sabes que o nosso testemunho é verdadeiro.

12 UDemetriyu ufakazelwa yibo bonke nayilo iqiniso uqobo lwalo; nathi-ke siyafakaza ngaye, wazi nawe ukuthi ukufakaza kwethu kuqinisile.

Informações finais. Saudações

Isigcino

13 Muitas coisas tinha que te escrever; todavia, não quis fazê-lo com tinta e pena,

13 Benginokuningi ebengiyakukulobela khona, kepha angithandi ukukulobela ngoyinki nosiba;

14 pois, em breve, espero ver-te. Então, conversaremos de viva voz.

14 kepha ngiyethemba ukukubona masinyane, sikhulume umlomo nomlomo.

15 A paz seja contigo. Os amigos te saúdam. Saúda os amigos, nome por nome.

15 Ukuthula makube kuwe. Abahlobo bayakhonza kuwe. Khonza kubo abahlobo ngamagama.

Epístola de Judas

Judas 1

Prefácio e saudação

[1] Judas, servo de Jesus Cristo e irmão de Tiago, aos chamados, amados em Deus Pai e guardados em Jesus Cristo,

[2] a misericórdia, a paz e o amor vos sejam multiplicados.

É dever cristão pelejar pela fé

[3] Amados, quando empregava toda a diligência em escrever-vos acerca da nossa comum salvação, foi que me senti obrigado a corresponder-me convosco, exortando-vos a batalhardes, diligentemente, pela fé que uma vez por todas foi entregue aos santos.

[4] Pois certos indivíduos se introduziram com dissimulação, os quais, desde muito, foram antecipadamente pronunciados para esta condenação, homens ímpios, que transformam em libertinagem a graça de nosso Deus e negam o nosso único Soberano e SENHOR, Jesus Cristo.

Exemplos da punição dos ímpios

[5] Quero, pois, lembrar-vos, embora já estejais cientes de tudo uma vez por todas, que o SENHOR, tendo libertado um povo, tirando-o da terra do Egito, destruiu, depois, os que não creram;

[6] e a anjos, os que não guardaram o seu estado original, mas abandonaram o seu próprio domicílio, ele tem guardado sob trevas, em algemas eternas, para o juízo do grande Dia;

EkaJuda

EkaJuda 1

Isibingelelo

[1] UJuda inceku kaJesu Kristu, umfowabo kaJakobe, kubo ababiziweyo abathandwa kuNkulunkulu uYise nabagcinelwe uJesu Kristu:

[2] Makwandiswe kini umusa nokuthula nothando.

Abadukisi

[3] Bathandekayo, njengokuba ngenza inkuthalo yonke ukunilobela ngensindiso esiyihlanganyele sonke, ngacindezeleka ukunilobela ukuba nginivuselele ukulwela inkolo abayinikelwayo abangcwele kwaba kanye.

[4] Ngokuba sebengenile ngokunyenya abantu abathile okwalotshwa ngabo phambili endulo ukuthi bayakwehlelwa yilokhu kulahlwa, abangamesabi uNkulunkulu, bephendukezela umusa kaNkulunkulu wethu ube ngamanyala, bephika uMbusi oyedwa neNkosi yethu uJesu Kristu.

[5] Kepha ngiyathanda ukunikhumbuza, nokuba kade benikwazi konke, ukuthi iNkosi, isisindisile isizwe isikhipha ezweni laseGibithe, yabuye yabhubhisa labo abangakholwanga,

[6] nezingelosi ezingagcinanga ubukhosi bazo, kodwa zalishiya ikhaya lazo, izigcinele ukulahlwa kosuku olukhulu ngezibopho ezimiyo phansi kobumnyama,

[7] como Sodoma, e Gomorra, e as cidades circunvizinhas, que, havendo-se entregado à prostituição como aqueles, seguindo após outra carne, são postas para exemplo do fogo eterno, sofrendo punição.

[8] Ora, estes, da mesma sorte, quais sonhadores alucinados, não só contaminam a carne, como também rejeitam governo e difamam autoridades superiores.

[9] Contudo, o arcanjo Miguel, quando contendia com o diabo e disputava a respeito do corpo de Moisés, não se atreveu a proferir juízo infamatório contra ele; pelo contrário, disse: O SENHOR te repreenda!

[10] Estes, porém, quanto a tudo o que não entendem, difamam; e, quanto a tudo o que compreendem por instinto natural, como brutos sem razão, até nessas coisas se corrompem.

[11] Ai deles! Porque prosseguiram pelo caminho de Caim, e, movidos de ganância, se precipitaram no erro de Balaão, e pereceram na revolta de Corá.

[12] Estes homens são como rochas submersas, em vossas festas de fraternidade, banqueteando-se juntos sem qualquer recato, pastores que a si mesmos se apascentam; nuvens sem água impelidas pelos ventos; árvores em plena estação dos frutos, destes desprovidas, duplamente mortas, desarraigadas;

[7] njengokuba iSodoma neGomora nemizi yangakhona yenza ubufebe ngendlela efana neyayo, yalandela inyama imbe imisiwe ibe yisiboniso, izwa isijeziso somlilo omiyo njalo.

[8] Nokho ngokunjalo-ke nalabo abaphuphayo bangcolisa inyama, bayeyisa imibuso, bahlambalaza ubukhosi.

[9] Kepha uMikayeli, ingelosi enkulu, lapho ephikisana noSathane, ekhulumisana naye ngesidumbu sikaMose, akabanga nasibindi sokuletha ukwahlulela kokuhlambalaza, kodwa wathi: INkosi mayikujezise.

[10] Kepha laba bayahlambalaza konke abangakwaziyo, nalokho abakwaziyo ngemvelo njengezidalwa ezingenangqondo babhubha ngakho.

[11] Maye kubo, ngokuba bahamba endleleni kaKayini, bagijimela ekudukeni kukaBalami ngenxa yomvuzo, babhubha ekuphikeni kukaKora!

[12] Yilabo abayizisihla emadilini enu othando bedla nani, bengesabi, baziklabisa; bangamafu angenamanzi, aqhutshwa yimimoya; bayimithi yasebusika engenazithelo, efe kabili, isishuliwe;

[13] ondas bravias do mar, que espumam as suas próprias sujidades; estrelas errantes, para as quais tem sido guardada a negridão das trevas, para sempre.
[14] Quanto a estes foi que também profetizou Enoque, o sétimo depois de Adão, dizendo: Eis que veio o SENHOR entre suas santas miríades,
[15] para exercer juízo contra todos e para fazer convictos todos os ímpios, acerca de todas as obras ímpias que impiamente praticaram e acerca de todas as palavras insolentes que ímpios pecadores proferiram contra ele.
[16] Os tais são murmuradores, são descontentes, andando segundo as suas paixões. A sua boca vive propalando grandes arrogâncias; são aduladores dos outros, por motivos interesseiros.

A profecia apostólica. Exortações

[17] Vós, porém, amados, lembrai-vos das palavras anteriormente proferidas pelos apóstolos de nosso SENHOR Jesus Cristo,
[18] os quais vos diziam: No último tempo, haverá escarnecedores, andando segundo as suas ímpias paixões.
[19] São estes os que promovem divisões, sensuais, que não têm o Espírito.
[20] Vós, porém, amados, edificando-vos na vossa fé santíssima, orando no Espírito Santo,
[21] guardai-vos no amor de Deus, esperando a misericórdia de nosso SENHOR Jesus Cristo, para a vida eterna.

[13] bangamaza adlangalalayo olwandle, ekhephuza amahlazo awo, izinkanyezi ezidukayo ezigcinelwe ubumnyama bobumnyama baphakade.
[14] U-Enoke ongowesikhombisa kusukela ku-Adamu waprofetha ngabo, wathi: Bheka, iNkosi iyakufika nabangcwele bayo abayizigidigidi,
[15]ukuze yahlulele bonke, ijezise bonke abangamesabi uNkulunkulu ngenxa yemisebenzi yonke yabo yokungahloniphi uNkulunkulu abadelela ngayo, nangawo onke amazwi alukhuni izoni ezingamesabi uNkulunkulu eziwakhulumile ngaye.
[16] Yilabo abakhononayo nabasolayo, behamba ngezinkanuko zabo, umlomo wabo ukhuluma uwangala, betusa ubuso ngenxa yenzuzo.

UJuda ululeka ukuba baqine ekukholweni

[17]Kepha nina bathandekayo, khumbulani amazwi akhulunywe phambili ngabaphostoli beNkosi yethu uJesu Kristu
[18] abasho ukuthi ngesikhathi sokugcina kuyakuba khona abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo zokungamesabi uNkulunkulu.
[19] Yilabo abaveza ukwahlukana, bengabenyama bengenaMoya.
[20] Kepha nina bathandekayo, yakhelanani ekukholweni kwenu okungcwele kakhulu, nikhuleke ngoMoya oNgcwele,
[21] nizigcine othandweni lukaNkulunkulu, nibheke umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, kube ngukuphila okuphakade.

[22] E compadecei-vos de alguns que estão na dúvida;

[23] salvai-os, arrebatando-os do fogo; quanto a outros, sede também compassivos em temor, detestando até a roupa contaminada pela carne.

A doxologia

[24] Ora, àquele que é poderoso para vos guardar de tropeços e para vos apresentar com exultação, imaculados diante da sua glória,

[25] ao único Deus, nosso Salvador, mediante Jesus Cristo, SENHOR nosso, glória, majestade, império e soberania, antes de todas as eras, e agora, e por todos os séculos. Amém!

[22]Abanye, abangabazayo, nibahawukele,

[23] nibasindise ngokubahlwitha emlilweni, kepha abanye nibahawukele ngokwesaba, nizonde nengubo enindwe yinyama.

[24] Kepha kuyena onamandla okunilinda ukuba ningakhubeki, nimiswe phambi kwenkazimulo yakhe ningenasici, ninokuthokoza okukhulu,

[25] kuye uNkulunkulu oyedwa, uMsindisi wethu ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu, makube ngukukhazimula, nobukhosi, namandla, negunya, kungakabikho izikhathi, namanje nakuze kube phakade. Amen.

Apocalipse de João	IsAmbulo

Apocalipse 1

O título, o autor e o assunto do livro

1 Revelação de Jesus Cristo, que Deus lhe deu para mostrar aos seus servos as coisas que em breve devem acontecer e que ele, enviando por intermédio do seu anjo, notificou ao seu servo João,

2 o qual atestou a palavra de Deus e o testemunho de Jesus Cristo, quanto a tudo o que viu.

3 Bem-aventurados aqueles que lêem e aqueles que ouvem as palavras da profecia e guardam as coisas nela escritas, pois o tempo está próximo.

Dedicatória às sete igrejas da Ásia

4 João, às sete igrejas que se encontram na Ásia, graça e paz a vós outros, da parte daquele que é, que era e que há de vir, da parte dos sete Espíritos que se acham diante do seu trono

5 e da parte de Jesus Cristo, a Fiel Testemunha, o Primogênito dos mortos e o Soberano dos reis da terra. Àquele que nos ama, e, pelo seu sangue, nos libertou dos nossos pecados,

6 e nos constituiu reino, sacerdotes para o seu Deus e Pai, a ele a glória e o domínio pelos séculos dos séculos. Amém!

7 Eis que vem com as nuvens, e todo olho o verá, até quantos o traspassaram. E todas as tribos da terra se lamentarão sobre ele. Certamente. Amém!

IsAmbulo 1

UJohane uyanikwa isambulo sikaJesu ngengelosi

1 Isambulo sikaJesu Kristu amnika sona uNkulunkulu ukuba abonise izinceku zakhe izinto ezimelwe ukwenzeka masinyane, ethuma ngengelosi yakhe, esibonakalisa encekwini yakhe uJohane

2 owafakaza ngezwi likaNkulunkulu nangobufakazi bukaJesu Kristu, konke akubonayo.

3 Ubusisiwe ofundayo nabo abawezwayo amazwi alesi siprofetho, bagcine okulotshiweyo kuso, ngokuba isikhathi siseduze.

UJohane uyabingelela amabandla ayisikhombisa

4 UJohane kuwo amabandla ayisikhombisa ase-Asiya: Makube kini umusa nokuthula okuvela kuye okhona nowayekhona nozayo, nakoMoya abayisikhombisa abaphambi kwesihlalo sakhe sobukhosi,

5 nakuJesu Kristu ufakazi othembekayo, izibulo labafileyo nombusi wamakhosi omhlaba. Kuye osithandayo nowasikhululayo ezonweni zethu ngegazi lakhe

6 nowasenza sibe ngumbuso nabapristi kuNkulunkulu uYise, kuye makube yinkazimulo namandla kuze kube phakade naphakade. Amen.

7 Bhekani, uyeza namafu, namehlo onke ayakumbona, nabo abamgwazayo, nezizwe zonke zomhlaba ziyakulila ngaye. Yebo, Amen.

[8] Eu sou o Alfa e Ômega, diz o SENHOR Deus, aquele que é, que era e que há de vir, o Todo-Poderoso.

[8] Mina ngingu-Alfa no-Omega, kusho iNkosi uNkulunkulu, okhona nowayekhona nozayo, uMninimandla onke.

A visão de Jesus glorificado

UJesu uyazibonakalisa kuJohane esesiqhingini sasePhatmose; uyamyala ukuloba lesi sambulo

[9] Eu, João, irmão vosso e companheiro na tribulação, no reino e na perseverança, em Jesus, achei-me na ilha chamada Patmos, por causa da palavra de Deus e do testemunho de Jesus.

[9] Mina Johane, umfowenu nomhlanganyeli kanye nani ekuhluphekeni nasembusweni nasekubekezeleni kukaJesu, ngangisesiqhingini esithiwa iPhatmose ngenxa yezwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi bukaJesu.

[10] Achei-me em espírito, no dia do SENHOR, e ouvi, por detrás de mim, grande voz, como de trombeta,

[10]NgangikuMoya ngosuku lweNkosi, ngezwa emva kwami izwi elikhulu kungathi elecilongo,

[11] dizendo: O que vês escreve em livro e manda às sete igrejas: Éfeso, Esmirna, Pérgamo, Tiatira, Sardes, Filadélfia e Laodicéia.

[11] lithi: Lokhu okubonayo kulobe encwadini, ukuthumele kuwo amabandla ayisikhombisa, e-Efesu, naseSmirna, nasePhergamu, naseThiyathira, naseSardesi, naseFiladelfiya, naseLawodikeya.

[12] Voltei-me para ver quem falava comigo e, voltado, vi sete candeeiros de ouro

[12] Ngaphenduka ukuba ngibone izwi ebelikhuluma nami; kuthe ngiphenduka, ngabona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide,

[13] e, no meio dos candeeiros, um semelhante a filho de homem, com vestes talares e cingido, à altura do peito, com uma cinta de ouro.

[13]nofana nendodana yomuntu ephakathi kwezinti zezibani, embethe ingubo ekhawula ezinyaweni, ezibophe ngebhande legolide ezibeleni;

[14] A sua cabeça e cabelos eram brancos como alva lã, como neve; os olhos, como chama de fogo;

[14] futhi ikhanda lakhe nezinwele zakhe kumhlophe njengoboya bezimvu, njengeqhwa, namehlo akhe enjengamalangabi omlilo,

[15] os pés, semelhantes ao bronze polido, como que refinado numa fornalha; a voz, como voz de muitas águas.

[15]nezinyawo zakhe zifana nethusi elikhazimulayo sengathi zazishiswe esithandweni, nezwi lakhe linjengenhlokomo yamanzi amaningi;

[16] Tinha na mão direita sete estrelas, e da boca saía-lhe uma afiada espada de dois gumes. O seu rosto brilhava como o sol na sua força.

[16] futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili, nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo.

[17] Quando o vi, caí a seus pés como morto. Porém ele pôs sobre mim a mão direita, dizendo: Não temas; eu sou o primeiro e o último

[17] Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe njengofileyo; wayesebeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, ethi: Ungesabi; mina ngingowokuqala nowokugcina,

[18] e aquele que vive; estive morto, mas eis que estou vivo pelos séculos dos séculos e tenho as chaves da morte e do inferno.

[18] nophilayo; ngangifile, bheka, sengingophilayo kuze kube phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nezeHayidese.

[19] Escreve, pois, as coisas que viste, e as que são, e as que hão de acontecer depois destas.

[19] Ngakho-ke loba okubonileyo, nokukhona, nokuzakwenzeka emva kwalokho.

[20] Quanto ao mistério das sete estrelas que viste na minha mão direita e aos sete candeeiros de ouro, as sete estrelas são os anjos das sete igrejas, e os sete candeeiros são as sete igrejas.

[20]Imfihlakalo yezinkanyezi eziyisikhombisa ozibonileyo esandleni sami sokunene, nezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide yile: izinkanyezi eziyisikhombisa ziyizingelosi zamabandla ayisikhombisa, nezinti zezibani eziyisikhombisa zingamabandla ayisikhombisa.

Apocalipse 2

Carta à igreja em Éfeso

[1] Ao anjo da igreja em Éfeso escreve: Estas coisas diz aquele que conserva na mão

IsAmbulo 2

UJohane uyalwa ngalokhu azakukulobela ingelosi yebandla lase-Efesu, naseSmirna, nasePhergamu, naseThiyathira

[1] Kuyo ingelosi yebandla lase-Efesu loba ukuthi: Nakhu akushoyo ophethe

direita as sete estrelas e que anda no meio dos sete candeeiros de ouro:

izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, ohamba phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, uthi:

[2] Conheço as tuas obras, tanto o teu labor como a tua perseverança, e que não podes suportar homens maus, e que puseste à prova os que a si mesmos se declaram apóstolos e não são, e os achaste mentirosos;

[2] Ngiyayazi imisebenzi yakho, nemizamo yakho, nokubekezela kwakho, nokuthi kawunakubamela ababi; wabavivinya abazisho ukuthi bangabaphostoli bengesibo, wabafumana beqamba amanga;

[3] e tens perseverança, e suportaste provas por causa do meu nome, e não te deixaste esmorecer.

[3]unokubekezela, wakhuthazela ngenxa yegama lami, kawukhathalanga.

[4] Tenho, porém, contra ti que abandonaste o teu primeiro amor.

[4] Kepha nginalokhu ngawe ukuthi uluyekile uthando lwakho lwakuqala;

[5] Lembra-te, pois, de onde caíste, arrepende-te e volta à prática das primeiras obras; e, se não, venho a ti e moverei do seu lugar o teu candeeiro, caso não te arrependas.

[5] ngakho khumbula lapho uwe khona, uphenduke, wenze imisebenzi yakuqala; uma kungenjalo, ngiyeza kuwe, ngilususe uthi lwesibani sakho endaweni yalo, uma ungaphenduki.

[6] Tens, contudo, a teu favor que odeias as obras dos nicolaítas, as quais eu também odeio.

[6] Kepha unalokhu ukuthi uyayizonda imisebenzi yamaNikolawu engiyizondayo nami.

[7] Quem tem ouvidos, ouça o que o Espírito diz às igrejas: Ao vencedor, dar-lhe-ei que se alimente da árvore da vida que se encontra no paraíso de Deus.

[7] Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni. Onqobayo ngiyakumnika ukuba adle kuwo umuthi wokuphila oseParadisi likaNkulunkulu.

Carta à igreja em Esmirna

[8] Ao anjo da igreja em Esmirna escreve: Estas coisas diz o primeiro e o último, que esteve morto e tornou a viver:

[8] Nakuyo ingelosi yebandla laseSmirna loba ukuthi: Nakhu akushoyo owokuqala nowokugcina, owayefile kepha osephila, uthi:

[9] Conheço a tua tribulação, a tua pobreza (mas tu és rico) e a blasfêmia dos que a si mesmos se declaram judeus e não são, sendo, antes, sinagoga de Satanás.

[9] Ngiyakwazi ukuhlupheka kwakho nobumpofu bakho -- kanti ucebile -- nenhlamba yabathi bangabaJuda

bengesibo, kodwa beyisinagoge likaSathane.

[10] Não temas as coisas que tens de sofrer. Eis que o diabo está para lançar em prisão alguns dentre vós, para serdes postos à prova, e tereis tribulação de dez dias. Sê fiel até à morte, e dar-te-ei a coroa da vida.

[10] Ungesabi lokho ozakuhlupheka ngakho. Bheka, uSathane uzakuphonsa abanye kini etilongweni ukuba nilingwe, futhi niyakuhlupheka izinsuku eziyishumi. Thembeka kuze kube sekufeni, ngokunika umqhele wokuphila.

[11] Quem tem ouvidos, ouça o que o Espírito diz às igrejas: O vencedor de nenhum modo sofrerá dano da segunda morte.

[11] Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni. Onqobayo akasoze oniwa ngukufa kwesibili.

Carta à igreja em Pérgamo

[12] Ao anjo da igreja em Pérgamo escreve: Estas coisas diz aquele que tem a espada afiada de dois gumes:

[12] Nakuyo ingelosi yebandla lasePhergamu loba ukuthi: Nakhu akushoyo onenkemba ebukhali esika nhlangothi zombili, uthi:

[13] Conheço o lugar em que habitas, onde está o trono de Satanás, e que conservas o meu nome e não negaste a minha fé, ainda nos dias de Antipas, minha testemunha, meu fiel, o qual foi morto entre vós, onde Satanás habita.

[13] Ngiyazi lapho wakhe khona: lapho kukhona isihlalo sobukhosi sikaSathane; nokho ulibambisisile igama lami, kawuphikanga inkolo yami nasemihleni ka-Antipase, ufakazi wami, othembekayo wami, owabulawa phakathi kwenu lapho uSathane wakhe khona.

[14] Tenho, todavia, contra ti algumas coisas, pois que tens aí os que sustentam a doutrina de Balaão, o qual ensinava a Balaque a armar ciladas diante dos filhos de Israel para comerem coisas sacrificadas aos ídolos e praticarem a prostituição.

[14] Nokho kukhona okuyingcosana enginakho ngawe, ngokuba unabo lapho ababambisisa isifundiso sikaBalami owafundisa uBalaki ukuphonsa isikhubekiso phambi kwabantwana bakwa-Israyeli sokuba badle okuhlatshelwe izithombe nokuba bafebe.

[15] Outrossim, também tu tens os que da mesma forma sustentam a doutrina dos nicolaítas.

[15]Futhi-ke nawe unabo ababambisisa isifundiso samaNikolawu ngokunjalo.

[16] Portanto, arrepende-te; e, se não, venho a ti sem demora e contra eles pelejarei com a espada da minha boca.

[17] Quem tem ouvidos, ouça o que o Espírito diz às igrejas: Ao vencedor, dar-lhe-ei do maná escondido, bem como lhe darei uma pedrinha branca, e sobre essa pedrinha escrito um nome novo, o qual ninguém conhece, exceto aquele que o recebe.

Carta à igreja em Tiatira

[18] Ao anjo da igreja em Tiatira escreve: Estas coisas diz o Filho de Deus, que tem os olhos como chama de fogo e os pés semelhantes ao bronze polido:

[19] Conheço as tuas obras, o teu amor, a tua fé, o teu serviço, a tua perseverança e as tuas últimas obras, mais numerosas do que as primeiras.

[20] Tenho, porém, contra ti o tolerares que essa mulher, Jezabel, que a si mesma se declara profetisa, não somente ensine, mas ainda seduza os meus servos a praticarem a prostituição e a comerem coisas sacrificadas aos ídolos.

[21] Dei-lhe tempo para que se arrependesse; ela, todavia, não quer arrepender-se da sua prostituição.

[22] Eis que a prostro de cama, bem como em grande tribulação os que com ela adulteram, caso não se arrependam das obras que ela incita.

[23] Matarei os seus filhos, e todas as igrejas conhecerão que eu sou aquele que sonda

[16] Ngakho-ke phenduka; uma kungenjalo, ngiyeza kuwe masinyane, ngiyakulwa nabo ngenkemba yomlomo wami.

[17] Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni. Onqobayo ngiyakumnika okwemana elifihliweyo, ngimuphe itshe elimhlophe, nasetsheni kulotshiwe igama elisha elingaziwa muntu, ngolamukelayo kuphela.

[18] Nakuyo ingelosi yebandla laseThiyathira loba ukuthi: Nakhu ekushoyo iNdodana kaNkulunkulu enamehlo anjengamalangabi omlilo, nezinyawo zayo zifana nethusi elikhazimulayo, ithi:

[19]Ngiyayazi imisebenzi yakho, nothando, nokukholwa, nokukhonza, nokubekezela kwakho, nokuthi imisebenzi yakho yokugcina miningi kuneyokuqala.

[20] Kepha nginalokhu ngawe ukuthi uvumela owesifazane uJezabeli ozisho ukuthi ungumprofethikazi, afundise, adukise izinceku zami ukuba zifebe, zidle okuhlatshelwe izithombe;

[21] ngamnika isikhathi sokuba aphenduke, kepha kavumi ukuphenduka ekufebeni kwakhe.

[22]Bheka, ngiyamphonsa embhedeni, nabaphinga naye ngibaphonsa ekuhluphekeni okukhulu, uma bengaphenduki emisebenzini yakhe;

[23] ngiyakubulala abantwana bakhe ngokufa; amabandla onke ayakwazi

mentes e corações, e vos darei a cada um segundo as vossas obras.

ukuthi nginguye ophenya izinso nezinhliziyo, futhi ngiyakumnika yilowo nalowo wenu ngokwemisebenzi yakhe.

[24] Digo, todavia, a vós outros, os demais de Tiatira, a tantos quantos não têm essa doutrina e que não conheceram, como eles dizem, as coisas profundas de Satanás: Outra carga não jogarei sobre vós;

[24]Kodwa ngithi kinina eniseleyo eThiyathira, nonke eningenaso lesi sifundiso, eningakwaziyo okujulileyo kukaSathane njengabakushoyo: Kangiphonsi phezu kwenu omunye umthwalo;

[25] tão-somente conservai o que tendes, até que eu venha.

[25]kepha lokho eninakho, kubambisiseni ngize ngifike.

[26] Ao vencedor, que guardar até ao fim as minhas obras, eu lhe darei autoridade sobre as nações,

[26] Onqobayo nogcina imisebenzi yami kuze kube sekupheleni lowo ngiyakumnika amandla phezu kwezizwe;

[27] e com cetro de ferro as regerá e as reduzirá a pedaços como se fossem objetos de barro;

[27] uyakuzibusa ngentonga yensimbi, ziphahlazwe njengezitsha ezibunjiweyo, njengalokhu nami ngamukelisiwe nguBaba;

[28] assim como também eu recebi de meu Pai, dar-lhe-ei ainda a estrela da manhã.

[28] futhi ngiyakumnika inkanyezi yokusa.

[29] Quem tem ouvidos, ouça o que o Espírito diz às igrejas.

[29]Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

Apocalipse 3

Carta à igreja em Sardes

[1] Ao anjo da igreja em Sardes escreve: Estas coisas diz aquele que tem os sete Espíritos de Deus e as sete estrelas: Conheço as tuas obras, que tens nome de que vives e estás morto.

[2] Sê vigilante e consolida o resto que estava para morrer, porque não tenho achado íntegras as tuas obras na presença do meu Deus.

IsAmbulo 3

Lokhu uJohane azakukulobela ingelosi yebandla laseSardesi, naseFiladelfiya, naseLawodikeya

[1] Nakuyo ingelosi yebandla laseSardesi loba ukuthi: Nakhu akushoyo onawoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu nezinkanyezi eziyisikhombisa, uthi: Ngiyayazi imisebenzi yakho ukuba unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile.

[2] Vuka ulinde, uqinise okuseleyo obekuzakufa, ngokuba angifumananga imisebenzi yakho iphelelisiwe phambi kukaNkulunkulu wami;

[3] Lembra-te, pois, do que tens recebido e ouvido, guarda-o e arrepende-te. Porquanto, se não vigiares, virei como ladrão, e não conhecerás de modo algum em que hora virei contra ti.

[4] Tens, contudo, em Sardes, umas poucas pessoas que não contaminaram as suas vestiduras e andarão de branco junto comigo, pois são dignas.

[5] O vencedor será assim vestido de vestiduras brancas, e de modo nenhum apagarei o seu nome do Livro da Vida; pelo contrário, confessarei o seu nome diante de meu Pai e diante dos seus anjos.
[6] Quem tem ouvidos, ouça o que o Espírito diz às igrejas.

Carta à igreja em Filadélfia

[7] Ao anjo da igreja em Filadélfia escreve: Estas coisas diz o santo, o verdadeiro, aquele que tem a chave de Davi, que abre, e ninguém fechará, e que fecha, e ninguém abrirá:

[8] Conheço as tuas obras – eis que tenho posto diante de ti uma porta aberta, a qual ninguém pode fechar – que tens pouca força, entretanto, guardaste a minha palavra e não negaste o meu nome.

[9] Eis farei que alguns dos que são da sinagoga de Satanás, desses que a si mesmos se declaram judeus e não são, mas mentem, eis que os farei vir e prostrar-se aos teus pés e conhecer que eu te amei.

[3] ngakho-ke khumbula ukuthi wamukele wezwa kanjani, kugcine, uphenduke. Ngokuba uma ungalindi, ngiyakuza kuwe njengesela, kawusoze walazi ihora engiyakuza ngalo kuwe.
[4] Kepha-ke unamagama ayingcosana eSardesi alabo abangangcolisanga izingubo zabo; bayakuhamba nami bembethe okumhlophe, ngokuba bafanele.
[5] Onqobayo uyakwembathiswa kanjalo izingubo ezimhlophe, negama lakhe angisoze ngalesula encwadini yokuphila, negama lakhe ngiyakulivuma phambi kukaBaba naphambi kwezingelosi zakhe.
[6] Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

[7] Nakuyo ingelosi yebandla laseFiladelfiya loba ukuthi: Nakhu akushoyo ongcwele, oqinisileyo, onesihluthulelo sikaDavide, ovula kungavali muntu, novalayo kungavuli muntu, uthi:
[8] Ngiyayazi imisebenzi yakho; bheka, ngimisile phambi kwakho umnyango ovuliweyo, ongenakuvalwa muntu, ngokuba unamandla amancane, kanti waligcina izwi lami, kawuliphikanga igama lami.
[9] Bheka, ngiyakubakhipha esinagogeni likaSathane abazishaya abaJuda bengesibo, kepha beqamba amanga; bheka, ngiyakubenza ukuba beze bakhuleke phambi kwezinyawo zakho, bazi ukuthi ngikuthandile.

[10] Porque guardaste a palavra da minha perseverança, também eu te guardarei da hora da provação que há de vir sobre o mundo inteiro, para experimentar os que habitam sobre a terra.

[11] Venho sem demora. Conserva o que tens, para que ninguém tome a tua coroa.

[12] Ao vencedor, fá-lo-ei coluna no santuário do meu Deus, e daí jamais sairá; gravarei também sobre ele o nome do meu Deus, o nome da cidade do meu Deus, a nova Jerusalém que desce do céu, vinda da parte do meu Deus, e o meu novo nome.

[13] Quem tem ouvidos, ouça o que o Espírito diz às igrejas.

Carta à igreja em Laodiceia

[14] Ao anjo da igreja em Laodicéia escreve: Estas coisas diz o Amém, a testemunha fiel e verdadeira, o princípio da criação de Deus:

[15] Conheço as tuas obras, que nem és frio nem quente. Quem dera fosses frio ou quente!

[16] Assim, porque és morno e nem és quente nem frio, estou a ponto de vomitar-te da minha boca;

[17] pois dizes: Estou rico e abastado e não preciso de coisa alguma, e nem sabes que tu és infeliz, sim, miserável, pobre, cego e nu.

[18] Aconselho-te que de mim compres ouro refinado pelo fogo para te enriqueceres, vestiduras brancas para te vestires, a fim

[10] Ngokuba ulilondile izwi lokubekezela kwami, nami-ke ngiyakukulonda ngehora lokulingwa eliyakufika ezweni lonke lokulinga bonke abakhileyo emhlabeni.

[11] Ngiyeza masinyane; bambisisa lokho onakho, ukuze kungabikho muntu okwamuka umqhele wakho.

[12] Onqobayo ngiyakumenza abe yinsika ethempelini likaNkulunkulu wami, futhi akasoze aphuma khona; ngiyakuloba negama likaNkulunkulu wami phezu akhe, negama lomuzi kaNkulunkulu wami, iJerusalema elisha elehla ezulwini kuNkulunkulu wami, negama lami elisha.

[13]Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

[14] Nakuyo ingelosi yebandla laseLawodikeya loba ukuthi: Nakhu akushoyo u-Amen, ufakazi othembekayo noqinisileyo, ukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu, uthi:

[15] Ngiyayazi imisebenzi yakho ukuthi kawubandi, kawushisi. Sengathi ngabe uyabanda noma ushise.

[16] Ngakho-ke njengalokhu usivivi, ungashisi ungabandi, ngiyakukuhlanza uphume emlonyeni wami.

[17] Ngokuba uthi: Ngicebile, kangiswele lutho, kanti kawazi ukuthi ungolusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nophuphuthekayo, nohamba ze;

[18]ngiyakululeka ukuba uthenge kimi igolide elihlanzwe ngomlilo ukuze ucebe, nezingubo ezimhlophe ukuze wembathe,

de que não seja manifesta a vergonha da tua nudez, e colírio para ungires os olhos, a fim de que vejas.

[19] Eu repreendo e disciplino a quantos amo. Sê, pois, zeloso e arrepende-te.

[20] Eis que estou à porta e bato; se alguém ouvir a minha voz e abrir a porta, entrarei em sua casa e cearei com ele, e ele, comigo.

[21] Ao vencedor, dar-lhe-ei sentar-se comigo no meu trono, assim como também eu venci e me sentei com meu Pai no seu trono.

[22] Quem tem ouvidos, ouça o que o Espírito diz às igrejas.

Apocalipse 4

A visão do trono de Deus

[1] Depois destas coisas, olhei, e eis não somente uma porta aberta no céu, como também a primeira voz que ouvi, como de trombeta ao falar comigo, dizendo: Sobe para aqui, e te mostrarei o que deve acontecer depois destas coisas.

[2] Imediatamente, eu me achei em espírito, e eis armado no céu um trono, e, no trono, alguém sentado;

[3] e esse que se acha assentado é semelhante, no aspecto, a pedra de jaspe e de sardônio, e, ao redor do trono, há um arco-íris semelhante, no aspecto, a esmeralda.

[4] Ao redor do trono, há também vinte e quatro tronos, e assentados neles, vinte e

kungabonakali ihlazo lobuze bakho nomuthi wamehlo wokugcoba amehlo akho ukuba ubone.

[19] Bonke engibathandayo ngiyabasola, ngibalaye; ngakho-ke shisekela uphenduke.

[20] Bheka, ngimi ngasemnyango ngingqongqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.

[21] Onqobayo ngiyakumnika ukuba ahlale nami esihlalweni sami sobukhosi, njengalokho nami nganqoba, ngahlala noBaba esihlalweni sakhe sobukhosi.

[22] Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

IsAmbulo 4

UJohane ubona ngombono isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu ezulwini

[1] Emva kwalokho ngabona, bheka-ke, umnyango uvulekile ezulwini, nezwi lokuqala engalizwayo linjengelecilongo likhuluma nami, lithi: Yenyukela lapha, ngikutshengise okumelwe ukuba kube khona emva kwalokhu.

[2] Masinyane ngaba kuMoya. Bheka, isihlalo sobukhosi sasimi ezulwini nohlezi phezu kwesihlalo sobukhosi;

[3]nohleziyo wayefana netshe lejaspi nesardiyu ukubukeka kwakhe, nothingo lwenkosikazi luhaqe isihlalo sobukhosi lufana nesimaragidu ukubukeka kwalo.

[4]Nesihlalo sobukhosi sasihaqiwe yizihlalo zobukhosi ezingamashumi amabili nane,

quatro anciãos vestidos de branco, em cujas cabeças estão coroas de ouro.

naphezu kwezihlalo zobukhosi kwakuhlezi amalunga angamashumi amabili nane, embethe izingubo ezimhlophe, enemiqhele yegolide emakhanda awo.

[5] Do trono saem relâmpagos, vozes e trovões, e, diante do trono, ardem sete tochas de fogo, que são os sete Espíritos de Deus.

[5] Nasesihlalweni sobukhosi kwaphuma imibani, namazwi, nokuduma; nezibani zomlilo eziyisikhombisa zavutha phambi kwesihlalo sobukhosi, ezingoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu;

[6] Há diante do trono um como que mar de vidro, semelhante ao cristal, e também, no meio do trono e à volta do trono, quatro seres viventes cheios de olhos por diante e por detrás.

[6] nangaphambi kwesihlalo sobukhosi kukhona okunjengolwandle lwengilazi lufana nekristalu, nangaphakathi kwesihlalo sobukhosi nasekuzungezeni isihlalo sobukhosi kukhona izidalwa ezine zigcwele amehlo ngaphambili nangasemuva.

[7] O primeiro ser vivente é semelhante a leão, o segundo, semelhante a novilho, o terceiro tem o rosto como de homem, e o quarto ser vivente é semelhante à águia quando está voando.

[7]Isidalwa sokuqala sasifana nengonyama, nesidalwa sesibili sasifana nethole, nesidalwa sesithathu sasinobuso obunjengobomuntu, nesidalwa sesine sasifana nokhozi olundizayo.

[8] E os quatro seres viventes, tendo cada um deles, respectivamente, seis asas, estão cheios de olhos, ao redor e por dentro; não têm descanso, nem de dia nem de noite, proclamando: Santo, Santo, Santo é o SENHOR Deus, o Todo-Poderoso, aquele que era, que é e que há de vir.

[8] Nezidalwa ezine, yileso naleso kuzo, zinamaphiko ayisithupha; emaceleni onke nangaphakathi zigcwele amehlo; kazikhawuli imini nobusuku ukuthi: Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uMninimandla onke, owayekhona nokhona nozayo.

[9] Quando esses seres viventes derem glória, honra e ações de graças ao que se encontra sentado no trono, ao que vive pelos séculos dos séculos,

[9]Kuthi lapho izidalwa zimnika inkazimulo nodumo nokubonga ohlezi esihlalweni sobukhosi, yena ophilayo kuze kube phakade naphakade,

[10] os vinte e quatro anciãos prostrar-se-ão diante daquele que se encontra sentado no

[10]amalunga angamashumi amabili nane awa phansi phambi kwakhe ohlezi

trono, adorarão o que vive pelos séculos dos séculos e depositarão as suas coroas diante do trono, proclamando:

[11] Tu és digno, SENHOR e Deus nosso, de receber a glória, a honra e o poder, porque todas as coisas tu criaste, sim, por causa da tua vontade vieram a existir e foram criadas.

Apocalipse 5

A visão do livro selado com sete selos e a do Cordeiro

[1] Vi, na mão direita daquele que estava sentado no trono, um livro escrito por dentro e por fora, de todo selado com sete selos.

[2] Vi, também, um anjo forte, que proclamava em grande voz: Quem é digno de abrir o livro e de lhe desatar os selos?

[3] Ora, nem no céu, nem sobre a terra, nem debaixo da terra, ninguém podia abrir o livro, nem mesmo olhar para ele;

[4] e eu chorava muito, porque ninguém foi achado digno de abrir o livro, nem mesmo de olhar para ele.

[5] Todavia, um dos anciãos me disse: Não chores; eis que o Leão da tribo de Judá, a Raiz de Davi, venceu para abrir o livro e os seus sete selos.

[6] Então, vi, no meio do trono e dos quatro seres viventes e entre os anciãos, de pé,

esihlalweni sobukhosi, akhuleka kuye ophilayo kuze kube phakade naphakade, aphonsa imiqhele yawo phambi kwesihlalo sobukhosi, ethi:

[11] Ufanele wena Nkosi yethu noNkulunkulu wethu ukwamukela inkazimulo nodumo namandla, ngokuba nguwena owadala izinto zonke, nangenxa yentando yakho zaba khona, zadalwa.

IsAmbulo 5

Incwadi enamathelisiwe ngezimpawu eziyisikhombisa

[1] Ngase ngibona esandleni sokunene sakhe owayehlezi esihlalweni sobukhosi incwadi ilotshiwe ngaphakathi nangaphandle, inamathelisiwe ngezimpawu eziyisikhombisa.

[2]Ngase ngibona ingelosi enamandla imemeza ngezwi elikhulu, ithi: Ngubani ofanele ukuvula le ncwadi nokuqaqa izimpawu zayo na?

[3]Kwakungekho namunye ezulwini, nasemhlabeni, nangaphansi komhlaba owayenamandla okuyivula incwadi, abuke kuyo.

[4]Ngakhala kakhulu ngokuba kungafunyanwanga namunye ofanele ukuyivula leyo ncwadi, abuke kuyo.

[5] Omunye wamalunga wayesethi kimi: Ungakhali; bheka, inqobile iNgonyama yesizwe sakwaJuda, iMpande kaDavide, ukuba ivule incwadi nezimpawu zayo eziyisikhombisa.

[6] Ngase ngibona ngaphakathi kwesihlalo sobukhosi nezidalwa ezine nangaphakathi

um Cordeiro como tendo sido morto. Ele tinha sete chifres, bem como sete olhos, que são os sete Espíritos de Deus enviados por toda a terra.

kwamalunga kumi iWundlu kungathi lihlatshiwe, linezimpondo eziyisikhombisa namehlo ayisikhombisa angoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu abathunyelwe emhlabeni wonke.

[7] Veio, pois, e tomou o livro da mão direita daquele que estava sentado no trono;

[7]Leza, layithabatha esandleni sokunene sakhe owayehlezi esihlalweni sobukhosi.

[8] e, quando tomou o livro, os quatro seres viventes e os vinte e quatro anciãos prostraram-se diante do Cordeiro, tendo cada um deles uma harpa e taças de ouro cheias de incenso, que são as orações dos santos,

[8] Kuthe seliyithabathile incwadi, izidalwa ezine namalunga angamashumi amabili nane awa phansi phambi kweWundlu, kuyilelo nalelo linehabhu nezitsha zegolide zigcwele impepho eyimikhuleko yabangcwele.

[9] e entoavam novo cântico, dizendo: Digno és de tomar o livro e de abrir-lhe os selos, porque foste morto e com o teu sangue compraste para Deus os que procedem de toda tribo, língua, povo e nação

[9] Ahlabelela igama elisha, athi: Ufanele wena ukuyithabatha incwadi nokuvula izimpawu zayo, ngokuba wahlatshwa, wabathengela uNkulunkulu ngegazi lakho abavela kuyo yonke imindeni, nezilimi, nabantu, nezizwe,

[10] e para o nosso Deus os constituíste reino e sacerdotes; e reinarão sobre a terra.

[10] wabenza babe ngumbuso nabapristi kuNkulunkulu wethu, babuse emhlabeni.

[11] Vi e ouvi uma voz de muitos anjos ao redor do trono, dos seres viventes e dos anciãos, cujo número era de milhões de milhões e milhares de milhares,

[11] Ngase ngibona, ngezwa izwi lezingelosi eziningi zihaqe isihlalo sobukhosi, nezidalwa, namalunga, nomumo wazo wawuyizigidi zezigidi nezinkulungwane zezinkulungwane,

[12] proclamando em grande voz: Digno é o Cordeiro que foi morto de receber o poder, e riqueza, e sabedoria, e força, e honra, e glória, e louvor.

[12] zithi ngezwi elikhulu: Lifanele iWundlu elahlatshwayo ukwamukela amandla nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo, nesibusiso.

[13] Então, ouvi que toda criatura que há no céu e sobre a terra, debaixo da terra e sobre o mar, e tudo o que neles há, estava dizendo: Àquele que está sentado no trono

[13] Nakho konke okudaliweyo okusezulwini, nokusemhlabeni, naphansi komhlaba, naselwandle, nakho konke okukukho, ngakuzwa kuthi: Kuyena ohlezi

e ao Cordeiro, seja o louvor, e a honra, e a glória, e o domínio pelos séculos dos séculos.

esihlalweni sobukhosi nakulo iWundlu makube yisibusiso, nodumo, nenkazimulo, namandla kuze kube phakade naphakade.

[14] E os quatro seres viventes respondiam: Amém! Também os anciãos prostraram-se e adoraram.

[14] Nezidalwa ezine zathi: Amen, namalunga awa phansi, akhuleka.

Apocalipse 6

O Cordeiro abre os selos. O primeiro selo

[1] Vi quando o Cordeiro abriu um dos sete selos e ouvi um dos quatro seres viventes dizendo, como se fosse voz de trovão: Vem!

[2] Vi, então, e eis um cavalo branco e o seu cavaleiro com um arco; e foi-lhe dada uma coroa; e ele saiu vencendo e para vencer.

O segundo selo

[3] Quando abriu o segundo selo, ouvi o segundo ser vivente dizendo: Vem!

[4] E saiu outro cavalo, vermelho; e ao seu cavaleiro, foi-lhe dado tirar a paz da terra para que os homens se matassem uns aos outros; também lhe foi dada uma grande espada.

O terceiro selo

[5] Quando abriu o terceiro selo, ouvi o terceiro ser vivente dizendo: Vem! Então, vi, e eis um cavalo preto e o seu cavaleiro com uma balança na mão.

[6] E ouvi uma como que voz no meio dos quatro seres viventes dizendo: Uma medida de trigo por um denário; três

IsAmbulo 6

IWundlu livula izimpawu eziyisithupha zokuqala

[1] Ngase ngibona lapho iWundlu livula olunye lwezimpawu eziyisikhombisa, ngezwa esinye sezidalwa ezine sisho njengezwi lokuduma, sithi: Woza!

[2] Ngabona, bheka, nanto ihhashi elimhlophe, nohlezi phezu kwalo ephethe umnsalo wanikwa umqhele, waphuma engonqobayo nokuyakunqoba.

[3]Nalapho livula uphawu lwesibili, ngezwa isidalwa sesibili sithi: Woza!

[4] Kwase kuphuma elinye ihhashi elibomvu, nohlezi phezu kwalo waphiwa ukususa ukuthula emhlabeni, ukuze babulalane, wanikwa nenkemba enkulu.

[5] Kuthe selivula uphawu lwesithathu, ngezwa isidalwa sesithathu sithi: Woza! Ngase ngibona, bheka, nanto ihhashi elimnyama nohlezi phezu kwalo ephethe isilinganiso ngesandla sakhe.

[6]Ngase ngizwa kungathi izwi phakathi kwezidalwa ezine lithi: Imbenge kakolweni ngodenariyu nezimbenge

medidas de cevada por um denário; e não danifiques o azeite e o vinho.

ezintathu zebhali ngodenariyu, kepha amafutha newayini ungakoni.

O quarto selo

[7] Quando o Cordeiro abriu o quarto selo, ouvi a voz do quarto ser vivente dizendo: Vem!

[7]Nalapho livula uphawu lwesine, ngezwa izwi lesidalwa sesine sithi: Woza!

[8] E olhei, e eis um cavalo amarelo e o seu cavaleiro, sendo este chamado Morte; e o Inferno o estava seguindo, e foi-lhes dada autoridade sobre a quarta parte da terra para matar à espada, pela fome, com a mortandade e por meio das feras da terra.

[8] Ngase ngibona, bheka, nanto ihhashi elimpofu nohlezi phezu kwalo, igama lakhe lalingukuFa, neHayidese lalandelana naye; base benikwa amandla phezu kokwesine komhlaba ukuba babulale ngenkemba, nangendlala, nangokufa, nangezilwane zomhlaba.

O quinto selo

[9] Quando ele abriu o quinto selo, vi, debaixo do altar, as almas daqueles que tinham sido mortos por causa da palavra de Deus e por causa do testemunho que sustentavam.

[9] Nalapho selivula uphawu lwesihlanu, ngabona phansi kwe-altare imiphefumulo yababebulewe ngenxa yezwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi ababe nabo.

[10] Clamaram em grande voz, dizendo: Até quando, ó Soberano SENHOR, santo e verdadeiro, não julgas, nem vingas o nosso sangue dos que habitam sobre a terra?

[10] Bamemeza ngezwi elikhulu, bathi: Koze kube nini, Mbusi ongcwele noqinisileyo, ungahluleli, uphindisele igazi lethu kulaba abakhileyo emhlabeni na?

[11] Então, a cada um deles foi dada uma vestidura branca, e lhes disseram que repousassem ainda por pouco tempo, até que também se completasse o número dos seus conservos e seus irmãos que iam ser mortos como igualmente eles foram.

[11] Base benikwa, kwaba yilowo nalowo ingubo ende emhlophe, kwashiwo kubo ukuba baphumule isikhashana, baze baphelele abayizinceku kanye nabo nabazalwane babo ababezakubulawa njengabo.

O sexto selo

[12] Vi quando o Cordeiro abriu o sexto selo, e sobreveio grande terremoto. O sol se tornou negro como saco de crina, a lua toda, como sangue,

[12] Ngase ngibona lapho livula uphawu lwesithupha, kwaba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba, nelanga laba mnyama njengendwangu yesaka loboya, nenyanga yonke yaba njengegazi,

[13] as estrelas do céu caíram pela terra, como a figueira, quando abalada por vento forte, deixa cair os seus figos verdes,

[14] e o céu recolheu-se como um pergaminho quando se enrola. Então, todos os montes e ilhas foram movidos do seu lugar.

[15] Os reis da terra, os grandes, os comandantes, os ricos, os poderosos e todo escravo e todo livre se esconderam nas cavernas e nos penhascos dos montes

[16] e disseram aos montes e aos rochedos: Caí sobre nós e escondei-nos da face daquele que se assenta no trono e da ira do Cordeiro,

[17] porque chegou o grande Dia da ira deles; e quem é que pode suster-se?

Apocalipse 7

Os cento e quarenta e quatro mil selados de Israel

[1] Depois disto, vi quatro anjos em pé nos quatro cantos da terra, conservando seguros os quatro ventos da terra, para que nenhum vento soprasse sobre a terra, nem sobre o mar, nem sobre árvore alguma.

[2] Vi outro anjo que subia do nascente do sol, tendo o selo do Deus vivo, e clamou em grande voz aos quatro anjos, aqueles aos quais fora dado fazer dano à terra e ao mar,

[13] nezinkanyezi zezulu zawela emhlabeni njengomkhiwane uvuthulula umphobo wawo, nxa uzanyazanyiswa ngumoya omkhulu,

[14] nezulu lagoqwa njengomqulu wencwadi usongwa, nezintaba zonke neziqhingi zasuswa ezindaweni zazo.

[15] Namakhosi omhlaba nezikhulu, nezinduna, nabacebileyo, nabanamandla, nezigqila zonke, nabakhululekileyo bacasha emihumeni nasemaweni ezintaba;

[16] base bethi ezintabeni nasemaweni: Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi nasolakeni lweWundlu,

[17] ngokuba usuku olukhulu lolaka lwabo selufikile; ngubani-ke onamandla okuma na?

IsAmbulo 7

Izinceku phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli ziyabekwa uphawu

[1] Emva kwalokho ngabona izingelosi ezine zimi emagumbini omane omhlaba, zibamba imimoya emine yomhlaba, ukuze kungavunguzi moya emhlabeni, naselwandle, nakowodwa umuthi.

[2]Ngase ngibona enye ingelosi yenyuka empumalanga, inophawu lukaNkulunkulu ophilayo, yamemeza ngezwi elikhulu kuzo izingelosi ezine ezanikwa ukuba ziwone umhlaba nolwandle,

[3] dizendo: Não danifiqueis nem a terra, nem o mar, nem as árvores, até selarmos na fronte os servos do nosso Deus.

[4] Então, ouvi o número dos que foram selados, que era cento e quarenta e quatro mil, de todas as tribos dos filhos de Israel:

[5] da tribo de Judá foram selados doze mil; da tribo de Rúben, doze mil; da tribo de Gade, doze mil;

[6] da tribo de Aser, doze mil; da tribo de Naftali, doze mil; da tribo de Manassés, doze mil;

[7] da tribo de Simeão, doze mil; da tribo de Levi, doze mil; da tribo de Issacar, doze mil;

[8] da tribo de Zebulom, doze mil; da tribo de José, doze mil; da tribo de Benjamim foram selados doze mil.

A visão dos glorificados

[9] Depois destas coisas, vi, e eis grande multidão que ninguém podia enumerar, de todas as nações, tribos, povos e línguas,

[3] yathi: Ningoni umhlaba, nolwandle, nemithi, size sizibeke uphawu izinceku zikaNkulunkulu wethu emabunzini azo.

[4] Ngase ngizwa umumo wababekwa uphawu, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane, ababekwa uphawu ezizweni zonke zabantwana bakwa-Israyeli:

[5]Esizweni sakwaJuda babekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwaRubeni abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwaGadi abayizinkulungwane eziyishumi nambili,

[6]esizweni sakwa-Asheri abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwaNafetali abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwaManase abayizinkulungwane eziyishumi nambili,

[7]esizweni sakwaSimeyoni abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwaLevi abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwa-Isakare abayizinkulungwane eziyishumi nambili,

[8]esizweni sakwaZabuloni abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwaJosefa abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwaBenjamini abayizinkulungwane eziyishumi nambili.

[9] Emva kwalokho ngabona, bheka-ke, isixuku esikhulu ebesingenakubalwa muntu, sivela kuzo zonke izizwe,

em pé diante do trono e diante do Cordeiro, vestidos de vestiduras brancas, com palmas nas mãos;

10 e clamavam em grande voz, dizendo: Ao nosso Deus, que se assenta no trono, e ao Cordeiro, pertence a salvação.

11 Todos os anjos estavam de pé rodeando o trono, os anciãos e os quatro seres viventes, e ante o trono se prostraram sobre o seu rosto, e adoraram a Deus,

12 dizendo: Amém! O louvor, e a glória, e a sabedoria, e as ações de graças, e a honra, e o poder, e a força sejam ao nosso Deus, pelos séculos dos séculos. Amém!

13 Um dos anciãos tomou a palavra, dizendo: Estes, que se vestem de vestiduras brancas, quem são e donde vieram?

14 Respondi-lhe: meu SENHOR, tu o sabes. Ele, então, me disse: São estes os que vêm da grande tribulação, lavaram suas vestiduras e as alvejaram no sangue do Cordeiro,

15 razão por que se acham diante do trono de Deus e o servem de dia e de noite no seu santuário; e aquele que se assenta no trono estenderá sobre eles o seu tabernáculo.

16 Jamais terão fome, nunca mais terão sede, não cairá sobre eles o sol, nem ardor algum,

nemindeni, nabantu, nezilimi, simi phambi kwesihlalo sobukhosi naphambi kweWundlu, sembethe izingubo ezinde ezimhlophe, siphethe amahlamvu esundu ngezandla zaso,

10 samemeza ngezwi elikhulu, sithi: Insindiso ngekaNkulunkulu wethu ohlezi esihlalweni sobukhosi neyeWundlu!

11 Nezingelosi zonke ezazimi zihaqe isihlalo sobukhosi namalunga nezidalwa ezine zawa phansi ngobuso phambi kwesihlalo sobukhosi, zakhuleka kuNkulunkulu, zathi:

12 Amen! Isibusiso, nenkazimulo, nokuhlakanipha, nokubongwa, nodumo, namandla, nokunqoba makube kuNkulunkulu wethu kuze kube phakade naphakade. Amen!

13Elinye lamalunga lase liphendula, lithi kimi: Laba abembethe izingubo ezimhlophe bangobani, bavelaphi, na?

14 Ngase ngithi kulo: Nkosi yami, nguwe owaziyo. Lase lithi kimi: Laba yibo abaphuma osizini olukhulu, bahlanza izingubo zabo, bazenza zaba mhlophe egazini leWundlu.

15 Ngalokho-ke baphambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu bemkhonza imini nobusuku ethempelini lakhe, nohlezi esihlalweni sobukhosi uyakumisa itabernakele phezu kwabo.

16 Kabasayikulamba, kabasayikoma kabasoze bahlatshwa yilanga nakushisa kuni,

[17] pois o Cordeiro que se encontra no meio do trono os apascentará e os guiará para as fontes da água da vida. E Deus lhes enxugará dos olhos toda lágrima.

Apocalipse 8

O sétimo selo. Os sete anjos com as suas trombetas

[1] Quando o Cordeiro abriu o sétimo selo, houve silêncio no céu cerca de meia hora.

[2] Então, vi os sete anjos que se acham em pé diante de Deus, e lhes foram dadas sete trombetas.

[3] Veio outro anjo e ficou de pé junto ao altar, com um incensário de ouro, e foi-lhe dado muito incenso para oferecê-lo com as orações de todos os santos sobre o altar de ouro que se acha diante do trono;

[4] e da mão do anjo subiu à presença de Deus a fumaça do incenso, com as orações dos santos.

[5] E o anjo tomou o incensário, encheu-o do fogo do altar e o atirou à terra. E houve trovões, vozes, relâmpagos e terremoto.

[6] Então, os sete anjos que tinham as sete trombetas prepararam-se para tocar.

A primeira trombeta

[7] O primeiro anjo tocou a trombeta, e houve saraiva e fogo de mistura com

[17] ngokuba iWundlu elingaphakathi nesihlalo sobukhosi liyakubelusa, libaholele emithonjeni yamanzi okuphila; noNkulunkulu uyakwesula izinyembezi zonke emehlweni abo.

IsAmbulo 8

Kuvulwa uphawu lwesikhombisa

[1] Kuthe ukuba liluvule uphawu lwesikhombisa, kwathi du ezulwini kungathi inxenye yehora.

[2]Ngase ngibona izingelosi eziyisikhombisa zimi phambi kukaNkulunkulu, zanikwa amacilongo ayisikhombisa.

[3] Kwase kufika enye ingelosi, yema ngase-altare inesitsha segolide sempepho, yanikwa impepho eningi ukuba iyelekele emikhulekweni yabangcwele bonke phezu kwe-altare legolide eliphambi kwesihlalo sobukhosi.

[4] Kwase kwenyuka esandleni sengelosi umusi wempepho nemikhuleko yabangcwele phambi kukaNkulunkulu.

[5] Ingelosi yayisithabatha isitsha sempepho, yasigcwalisa ngomlilo wase-altare, yasiphonsa emhlabeni; kwase kuba khona ukuduma, namazwi, nemibani, nokuzamazama komhlaba.

Izingelosi eziyisikhombisa zimi phambi kukaNkulunkulu ziphethe amacilongo. Ezine zokuqala ziyabetha amacilongo

[6]Izingelosi eziyisikhombisa ezazinamacilongo ayisikhombisa zazilungiselela ukubetha.

[7] Eyokuqala yayisibetha; kwase kuba khona isichotho nomlilo kuxutshaniswe

sangue, e foram atirados à terra. Foi, então, queimada a terça parte da terra, e das árvores, e também toda erva verde.

negazi, kwaphonswa emhlabeni; okwesithathu komhlaba kwasha kwaqothuka, nokwesithathu kwemithi kwasha kwaqothuka, nabo bonke utshani obuluhlaza basha baqothuka.

A segunda trombeta

[8] O segundo anjo tocou a trombeta, e uma como que grande montanha ardendo em chamas foi atirada ao mar, cuja terça parte se tornou em sangue,

[9] e morreu a terça parte da criação que tinha vida, existente no mar, e foi destruída a terça parte das embarcações.

[8] Ingelosi yesibili yayisibetha; kwangathi intaba enkulu ivutha umlilo, yaphonswa elwandle; okwesithathu kolwandle kwaba yigazi,

[9]kwafa okwesithathu kokudaliweyo okwakuselwandle okuphilayo, nokwesithathu kwemikhumbi kwabhujiswa.

A terceira trombeta

[10] O terceiro anjo tocou a trombeta, e caiu do céu sobre a terça parte dos rios, e sobre as fontes das águas uma grande estrela, ardendo como tocha.

[11] O nome da estrela é Absinto; e a terça parte das águas se tornou em absinto, e muitos dos homens morreram por causa dessas águas, porque se tornaram amargosas.

[10] Ingelosi yesithathu yayisibetha; kwase kuwa ezulwini inkanyezi enkulu ivuthisa okwesibani, yawela phezu kokwesithathu kwemifula naphezu kwemithombo yamanzi.

[11]Igama lenkanyezi lithiwa uMhlonyane. Okwesithathu kwamanzi kwaba ngumhlonyane, nabaningi kubantu bafa ngamanzi, ngokuba enziwa ababa.

A quarta trombeta

[12] O quarto anjo tocou a trombeta, e foi ferida a terça parte do sol, da lua e das estrelas, para que a terça parte deles escurecesse e, na sua terça parte, não brilhasse, tanto o dia como também a noite.

[13] Então, vi e ouvi uma águia que, voando pelo meio do céu, dizia em grande voz: Ai! Ai! Ai dos que moram na terra, por causa

[12] Ingelosi yesine yayisibetha; kwashaywa okwesithathu kwelanga, nokwesithathu kwenyanga, nokwesithathu kwezinkanyezi, ukuze okwesithathu kwakho kufiphazwe, nemini ingakhanyi okwesithathu kwayo, nobusuku ngokunjalo.

[13] Ngase ngibona, ngezwa ukhozi lundiza emkhathini wezulu, lumemeza ngezwi elikhulu, luthi: Maye, maye, maye kwabakhileyo emhlabeni ngokunye

das restantes vozes da trombeta dos três anjos que ainda têm de tocar!

Apocalipse 9

A quinta trombeta

1 O quinto anjo tocou a trombeta, e vi uma estrela caída do céu na terra. E foi-lhe dada a chave do poço do abismo.

2 Ela abriu o poço do abismo, e subiu fumaça do poço como fumaça de grande fornalha, e, com a fumaceira saída do poço, escureceu-se o sol e o ar.

3 Também da fumaça saíram gafanhotos para a terra; e foi-lhes dado poder como o que têm os escorpiões da terra,

4 e foi-lhes dito que não causassem dano à erva da terra, nem a qualquer coisa verde, nem a árvore alguma e tão-somente aos homens que não têm o selo de Deus sobre a fronte.

5 Foi-lhes também dado, não que os matassem, e sim que os atormentassem durante cinco meses. E o seu tormento era como tormento de escorpião quando fere alguém.

6 Naqueles dias, os homens buscarão a morte e não a acharão; também terão ardente desejo de morrer, mas a morte fugirá deles.

7 O aspecto dos gafanhotos era semelhante a cavalos preparados para a peleja; na sua cabeça havia como que coroas parecendo de ouro; e o seu rosto era como rosto de homem;

ukukhala kwecilongo lezingelosi ezintathu ezisezakubetha!

IsAmbulo 9

Ingelosi yesihlanu iyabetha icilongo

1 Ingelosi yesihlanu yayisibetha; ngase ngibona inkanyezi ivela ezulwini, iwela emhlabeni, yanikwa isihluthulelo somgodi wakwalasha.

2Yayisivula umgodi wakwalasha; kwenyuka umusi emgodini njengomusi weziko elikhulu, kwafiphazwa ilanga nomkhathi ngomusi womgodi.

3Kwaphuma isikhonyane emsini, seza emhlabeni, sanikwa amandla njengamandla abanawo ofezela bomhlaba.

4 Kwathiwa kuso masingoni utshani bomhlaba, nanye into eluhlaza, nowodwa umuthi, kuphela labo bantu abangenalo uphawu lukaNkulunkulu emabunzini abo.

5Sanikwa ukuba singababulali kepha sibahluphe izinyanga eziyisihlanu; nokuhlushwa kwabo kwaba njengobuhlungu bukafezela, nxa emqosela umuntu.

6 Ngaleyo mihla abantu bayakufuna ukufa, bangaze bakufumana; futhi bayakufisa ukufa, kepha ukufa kubabalekele.

7 Nesimo sesikhonyane sasifana namahhashi alungiselwe ukulwa, nasemakhanda aso kukhona okunjengemiqhele efana negolide, nobuso bunjengobuso babantu;

[8] tinham também cabelos, como cabelos de mulher; os seus dentes, como dentes de leão;

[9] tinham couraças, como couraças de ferro; o barulho que as suas asas faziam era como o barulho de carros de muitos cavalos, quando correm à peleja;

[10] tinham ainda cauda, como escorpiões, e ferrão; na cauda tinham poder para causar dano aos homens, por cinco meses;

[11] e tinham sobre eles, como seu rei, o anjo do abismo, cujo nome em hebraico é Abadom, e em grego, Apoliom.

[12] O primeiro ai passou. Eis que, depois destas coisas, vêm ainda dois ais.

A sexta trombeta

[13] O sexto anjo tocou a trombeta, e ouvi uma voz procedente dos quatro ângulos do altar de ouro que se encontra na presença de Deus,

[14] dizendo ao sexto anjo, o mesmo que tem a trombeta: Solta os quatro anjos que se encontram atados junto ao grande rio Eufrates.

[15] Foram, então, soltos os quatro anjos que se achavam preparados para a hora, o dia, o mês e o ano, para que matassem a terça parte dos homens.

[16] O número dos exércitos da cavalaria era de vinte mil vezes dez milhares; eu ouvi o seu número.

[8] futhi sasinezinwele ezinjengezinwele zabesifazane, namazinyo aso ayenjengawezingonyama,

[9]sinezivikelo zezifuba njengezivikelo zensimbi, nomdumo wamaphiko aso wawunjengomdumo wezinqola zamahhashi amaningi egijimela ekulweni.

[10]Sasinemisila efana neyawofezela inezindosi, nasemisileni yaso kukhona amandla aso okona abantu izinyanga eziyisihlanu.

[11]Sinenkosi phezu kwaso, ingelosi yakwalasha, igama layo ngesiHeberu lingu-Abadoni, kepha ngesiGreki inegama lokuthi u-Apholiyoni.

[12] UMaye wokuqala udlulile; bheka, kuseza oMaye ababili ngasemva kwalokho.

Ingelosi yesithupha iyabetha

[13] Ingelosi yesithupha yayisibetha; ngezwa izwi livela ezimpondweni ezine ze-altare legolide eliphambi kukaNkulunkulu,

[14] lithi kuyo ingelosi yesithupha enecilongo: Thukulula izingelosi ezine eziboshwe ngasemfuleni omkhulu u-Ewufrathe.

[15]Zase zithukululwa izingelosi ezine ezilungiselwe ihora, nosuku, nenyanga, nomnyaka, ukuba zibulale okwesithathu kwabantu.

[16]Umumo wezimpi zabakhwele amahhashi wawungukuphindwa kabili kwezinkulungwane eziyishumi ziphindwe kazinkulungwane eziyishumi.

[17] Assim, nesta visão, contemplei que os cavalos e os seus cavaleiros tinham couraças cor de fogo, de jacinto e de enxofre. A cabeça dos cavalos era como cabeça de leão, e de sua boca saía fogo, fumaça e enxofre.

[18] Por meio destes três flagelos, a saber, pelo fogo, pela fumaça e pelo enxofre que saíam da sua boca, foi morta a terça parte dos homens;

[19] pois a força dos cavalos estava na sua boca e na sua cauda, porquanto a sua cauda se parecia com serpentes, e tinha cabeça, e com ela causavam dano.

[20] Os outros homens, aqueles que não foram mortos por esses flagelos, não se arrependeram das obras das suas mãos, deixando de adorar os demônios e os ídolos de ouro, de prata, de cobre, de pedra e de pau, que nem podem ver, nem ouvir, nem andar;

[21] nem ainda se arrependeram dos seus assassínios, nem das suas feitiçarias, nem da sua prostituição, nem dos seus furtos.

Apocalipse 10

Os anjos e os sete trovões. João e o livrinho

[1] Vi outro anjo forte descendo do céu, envolto em nuvem, com o arco-íris por cima de sua cabeça; o rosto era como o sol, e as pernas, como colunas de fogo;

[17]Nakanjalo ngabona ngombono amahhashi nabakhwele kuwo benezivikelo zezifuba, zibomvu njengomlilo nezehiyakinte nezesibabule; namakhanda amahhashi ayenjengamakhanda ezingonyama, nasemilonyeni yawo kuphuma umlilo, nomusi, nesibabule.

[18]Ngalezo zinhlupho ezintathu kwabulawa okwesithathu kwabantu ngomlilo, nangomusi, nangesibabule, okwaphuma emilonyeni yawo.

[19]Ngokuba amandla amahhashi asemilonyeni yawo nasemisileni yawo; ngokuba imisila yawo ifana nezinyoka, inamakhanda ona ngawo.

[20] Kepha abaseleyo babantu abangabulawanga ngalezo zinhlupho abaphendukanga emisebenzini yezandla zabo ukuba bangakhuleki kuwo amademoni, nezithombe zegolide, nezesiliva, nezethusi, nezamatshe, nezemithi, ezingenakho ukubona, nakuzwa, nakuhamba,

[21]futhi abaphendukanga ekubulaleni kwabo, nasekuthakatheni kwabo, nasebufebeni babo, nasekwebeni kwabo.

IsAmbulo 10

Ingelosi enencwadi evulekileyo

[1] Ngase ngibona enye ingelosi enamandla yehla ezulwini yembethe ifu, nothingo lwenkosikazi lwaluphezu kwekhanda layo, nobuso bayo babunjengelanga, nezinyawo zayo zinjengezinsika zomlilo,

2 e tinha na mão um livrinho aberto. Pôs o pé direito sobre o mar e o esquerdo, sobre a terra,

2iphethe esandleni sayo incwadi encane evulekileyo. Yayisimisa unyawo lwayo lokunene phezu kolwandle nolokhohlo phezu komhlabathi,

3 e bradou em grande voz, como ruge um leão, e, quando bradou, desferiram os sete trovões as suas próprias vozes.

3yamemeza ngezwi elikhulu njengokubhonga kwengonyama, nalapho isimemezile, imidumo eyisikhombisa yezwakalisa amazwi ayo.

4 Logo que falaram os sete trovões, eu ia escrever, mas ouvi uma voz do céu, dizendo: Guarda em segredo as coisas que os sete trovões falaram e não as escrevas.

4 Nalapho imidumo eyisikhombisa isikhulumile, ngase ngizakuloba; kepha ngezwa izwi livela ezulwini, lithi: Namathisela ngophawu okukhulunywe yimidumo eyisikhombisa, kodwa ungakulobi.

5 Então, o anjo que vi em pé sobre o mar e sobre a terra levantou a mão direita para o céu

5 Ingelosi engayibona imi phezu kolwandle naphezu komhlabathi yayisiphakamisela ezulwini isandla sayo sokunene,

6 e jurou por aquele que vive pelos séculos dos séculos, o mesmo que criou o céu, a terra, o mar e tudo quanto neles existe: Já não haverá demora,

6 yafunga yena ophilayo kuze kube phakade naphakade, owadala izulu nokukulo, nomhlaba nokukuwo, nolwandle nokukulo, yathi: Akusayikubakho isikhathi,

7 mas, nos dias da voz do sétimo anjo, quando ele estiver para tocar a trombeta, cumprir-se-á, então, o mistério de Deus, segundo ele anunciou aos seus servos, os profetas.

7 kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa, lapho isizakubetha icilongo, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, njengalokho azazisa izinceku zakhe abaprofethi ngezindaba ezijabulisayo.

8 A voz que ouvi, vinda do céu, estava de novo falando comigo e dizendo: Vai e toma o livro que se acha aberto na mão do anjo em pé sobre o mar e sobre a terra.

8Izwi engalizwa livela ezulwini lase liphinda likhuluma nami, lithi: Hamba uye uthabathe incwadi evulekileyo esesandleni sengelosi emi phezu kolwandle naphezu komhlabathi.

[9] Fui, pois, ao anjo, dizendo-lhe que me desse o livrinho. Ele, então, me falou: Toma-o e devora-o; certamente, ele será amargo ao teu estômago, mas, na tua boca, doce como mel.

[10] Tomei o livrinho da mão do anjo e o devorei, e, na minha boca, era doce como mel; quando, porém, o comi, o meu estômago ficou amargo.

[11] Então, me disseram: É necessário que ainda profetizes a respeito de muitos povos, nações, línguas e reis.

Apocalipse 11

Ordens para medir o santuário de Deus

[1] Foi-me dado um caniço semelhante a uma vara, e também me foi dito: Dispõe-te e mede o santuário de Deus, o seu altar e os que naquele adoram;

[2] mas deixa de parte o átrio exterior do santuário e não o meças, porque foi ele dado aos gentios; estes, por quarenta e dois meses, calcarão aos pés a cidade santa.

As duas testemunhas mártires

[3] Darei às minhas duas testemunhas que profetizem por mil duzentos e sessenta dias, vestidas de pano de saco.

[9] Ngaya kuyo ingelosi; ngase ngithi kuyo mayinginike incwadi encane. Yayisithi kimi: Yithabathe, uyidle uyiqede; izakubaba esiswini sakho, kepha emlonyeni wakho iyakuba mnandi njengezinyosi.

[10]Ngase ngiyithatha incwadi encane esandleni sengelosi, ngayidla ngayiqeda; yayisiba mnandi njengezinyosi emlonyeni wami; nalapho sengiyidlile, yababa esiswini sami.

[11] Zase zithi kimi: Kumelwe ukuba uphinde uprofethe ngabantu abaningi, nezizwe, nezilimi, namakhosi.

IsAmbulo 11

UJohane uyatshelwa ukulinganisa ithempeli likaNkulunkulu. Ofakazi ababili bakaNkulunkulu

[1] Nganikwa uhlanga lufana nenduku, kwathiwa: Sukuma, ulinganise ithempeli likaNkulunkulu, ne-altare, nabakhulekayo kulo.

[2] Kepha igceke elingaphandle kwethempeli ulishiye ngaphandle, ungalilinganisi, ngokuba linikwe izizwe, nomuzi ongcwele ziyakuwunyathela phansi izinyanga ezingamashumi amane nambili.

[3]Ngiyakubanika ofakazi bami ababili ukuba baprofethe izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha bembethe indwangu yamasaka.

[4] São estas as duas oliveiras e os dois candeeiros que se acham em pé diante do SENHOR da terra.

[5] Se alguém pretende causar-lhes dano, sai fogo da sua boca e devora os inimigos; sim, se alguém pretender causar-lhes dano, certamente, deve morrer.

[6] Elas têm autoridade para fechar o céu, para que não chova durante os dias em que profetizarem. Têm autoridade também sobre as águas, para convertê-las em sangue, bem como para ferir a terra com toda sorte de flagelos, tantas vezes quantas quiserem.

[7] Quando tiverem, então, concluído o testemunho que devem dar, a besta que surge do abismo pelejará contra elas, e as vencerá, e matará,

[8] e o seu cadáver ficará estirado na praça da grande cidade que, espiritualmente, se chama Sodoma e Egito, onde também o seu SENHOR foi crucificado.

[9] Então, muitos dentre os povos, tribos, línguas e nações contemplam os cadáveres das duas testemunhas, por três dias e meio, e não permitem que esses cadáveres sejam sepultados.

[10] Os que habitam sobre a terra se alegram por causa deles, realizarão festas e enviarão presentes uns aos outros, porquanto esses dois profetas atormentaram os que moram sobre a terra.

[11] Mas, depois dos três dias e meio, um espírito de vida, vindo da parte de Deus,

[4] Labo bayiminqumo emibili nezinti zezibani ezimbili ezimi phambi kweNkosi yomhlaba.

[5] Uma kukhona ofuna ukona laba, kuphuma umlilo emlonyeni wabo, udle izitha zabo, uziqede; yebo, uma kukhona ofuna ukona laba, kumelwe ukuba abulawe kanjalo.

[6] Banamandla laba okuvala izulu ukuba lingani ngezinsuku zokuprofetha kwabo, futhi banamandla phezu kwamanzi okuwaphendula igazi nawokushaya umhlaba ngezinhlupho zonke, noma kungaba kangaki ngokuthanda kwabo.

[7] Kuyakuthi sebebuqedile ubufakazi babo, isilo esiphuma kwalasha siyakulwa nabo, sibanqobe, sibabulale.

[8] Nezidumbu zabo ziyakusala ezitaladini zomuzi omkhulu othiwa ngokomoya iSodoma neGibithe, lapho neNkosi yabo yabethelwa khona.

[9]Abanye kubantu nabemindeni nabezilimi nabezizwe bayakuzibona izidumbu zabo izinsuku ezintathu nenxenye, bengavumi ukuba izidumbu zabo zifakwe ethuneni.

[10]Nabakhileyo emhlabeni bayakujabula ngabo, bethabe, bathumelane izipho, ngokuba laba baprofethi ababili babebahluphile abakhileyo emhlabeni.

[11]Kwathi emva kwalezo zinsuku ezintathu nenxenye umoya wokuphila ovela

neles penetrou, e eles se ergueram sobre os pés, e àqueles que os viram sobreveio grande medo;

[12] e as duas testemunhas ouviram grande voz vinda do céu, dizendo-lhes: Subi para aqui. E subiram ao céu numa nuvem, e os seus inimigos as contemplaram.

[13] Naquela hora, houve grande terremoto, e ruiu a décima parte da cidade, e morreram, nesse terremoto, sete mil pessoas, ao passo que as outras ficaram sobremodo aterrorizadas e deram glória ao Deus do céu.

[14] Passou o segundo ai. Eis que, sem demora, vem o terceiro ai.

A sétima trombeta

[15] O sétimo anjo tocou a trombeta, e houve no céu grandes vozes, dizendo: O reino do mundo se tornou de nosso SENHOR e do seu Cristo, e ele reinará pelos séculos dos séculos.

[16] E os vinte e quatro anciãos que se encontram sentados no seu trono, diante de Deus, prostraram-se sobre o seu rosto e adoraram a Deus,

[17] dizendo: Graças te damos, SENHOR Deus, Todo-Poderoso, que és e que eras, porque assumiste o teu grande poder e passaste a reinar.

[18] Na verdade, as nações se enfureceram; chegou, porém, a tua ira, e o tempo determinado para serem julgados os mortos, para se dar o galardão aos teus servos, os profetas, aos santos e aos que temem o teu nome, tanto aos pequenos

kuNkulunkulu wangena kubo; base bema ngezinyawo zabo, nababebonayo behlelwa ngukwesaba okukhulu.

[12] Bezwa izwi elikhulu livela ezulwini, lithi kubo: Yenyukelani lapha. Base benyukela ezulwini ngefu, nezitha zabo zababona.

[13] Ngalelo hora kwaba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba, kwawa okweshumi komuzi, nangokuzamazama komhlaba kwabulawa abantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa, nabaseleyo bashaywa luvalo, bamdumisa uNkulunkulu wezulu.

[14] Kwadlula uMaye wesibili; bheka, uMaye wesithathu uyeza masinyane.

Icilongo lesikhombisa

[15] Ingelosi yesikhombisa yayisibetha; kwase kuba khona amazwi amakhulu ezulwini athi: Umbuso wezwe usungoweNkosi yethu nokaKristu wayo; iyakubusa kuze kube phakade naphakade.

[16] Namalunga angamashumi amabili nane ahlezi phambi kukaNkulunkulu ezihlalweni zawo zobukhosi akhothama ngobuso bawo, akhuleka kuNkulunkulu,

[17] ethi: Siyakubonga, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke, okhona nowawukhona, ngokuba uthabathe amandla akho amakhulu, wabusa;

[18] nezizwe zazinolaka, kepha kwafika ulaka lwakho, nesikhathi sokwahlulelwa kwabafileyo, nokunika umvuzo izinceku zakho, abaprofethi nabangcwele nabesabayo igama lakho, abancane

como aos grandes, e para destruíres os que destroem a terra.

[19] Abriu-se, então, o santuário de Deus, que se acha no céu, e foi vista a arca da Aliança no seu santuário, e sobrevieram relâmpagos, vozes, trovões, terremoto e grande saraivada.

Apocalipse 12

A mulher e o dragão

[1] Viu-se grande sinal no céu, a saber, uma mulher vestida do sol com a lua debaixo dos pés e uma coroa de doze estrelas na cabeça,

[2] que, achando-se grávida, grita com as dores de parto, sofrendo tormentos para dar à luz.

[3] Viu-se, também, outro sinal no céu, e eis um dragão, grande, vermelho, com sete cabeças, dez chifres e, nas cabeças, sete diademas.

[4] A sua cauda arrastava a terça parte das estrelas do céu, as quais lançou para a terra; e o dragão se deteve em frente da mulher que estava para dar à luz, a fim de lhe devorar o filho quando nascesse.

[5] Nasceu-lhe, pois, um filho varão, que há de reger todas as nações com cetro de ferro. E o seu filho foi arrebatado para Deus até ao seu trono.

nabakhulu, nokubhubhisa ababhubhisa umhlaba.

[19] Kwase kuvulwa ithempeli likaNkulunkulu elisezulwini, kwabonakala umphongolo wesivumelwano sakhe ethempelini lakhe; kwase kuba khona imibani, namazwi, nokuduma, nokuzamazama komhlaba, nesichotho esikhulu.

IsAmbulo 12

Owesifazane nodrako*

[1]Kwaba khona ezulwini isibonakaliso esikhulu: owesifazane embethe ilanga, nenyanga iphansi kwezinyawo zakhe, nasekhanda lakhe kukhona umqhele wezinkanyezi eziyishumi nambili,

[2]ekhulelwe wakhala, enemihelo esikwa ngubuhlungu bokubeletha.

[3]Kwabonakala esinye isibonakaliso ezulwini; bheka, nango udrako omkhulu obomvu, enamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi, nasemakhanda akhe enemiqhele eyisikhombisa;

[4] umsila wakhe wadonsa okwesithathu kwezinkanyezi zezulu, waziphonsa emhlabeni. Nodrako wema phambi kowesifazane obezakubeletha, ukuze kuthi nxa esebelethile, ashwabadele umntwana wakhe.

[5] Wabeletha umntwana wesilisa ozakubusa izizwe zonke ngentonga yensimbi, nomntanakhe wahlwithelwa kuNkulunkulu nasesihlalweni sakhe sobukhosi.

[6] A mulher, porém, fugiu para o deserto, onde lhe havia Deus preparado lugar para que nele a sustentem durante mil duzentos e sessenta dias.

Anjos pelejam no céu contra o dragão. A vitória de Cristo e do seu povo

[7] Houve peleja no céu. Miguel e os seus anjos pelejaram contra o dragão. Também pelejaram o dragão e seus anjos;

[8] todavia, não prevaleceram; nem mais se achou no céu o lugar deles.

[9] E foi expulso o grande dragão, a antiga serpente, que se chama diabo e Satanás, o sedutor de todo o mundo, sim, foi atirado para a terra, e, com ele, os seus anjos.

[10] Então, ouvi grande voz do céu, proclamando: Agora, veio a salvação, o poder, o reino do nosso Deus e a autoridade do seu Cristo, pois foi expulso o acusador de nossos irmãos, o mesmo que os acusa de dia e de noite, diante do nosso Deus.

[11] Eles, pois, o venceram por causa do sangue do Cordeiro e por causa da palavra do testemunho que deram e, mesmo em face da morte, não amaram a própria vida.
[12] Por isso, festejai, ó céus, e vós, os que neles habitais. Ai da terra e do mar, pois o diabo desceu até vós, cheio de grande cólera, sabendo que pouco tempo lhe resta.

O dragão persegue a mulher

[6] Owesifazane wayesebalekela ehlane, lapho enendawo ayilungiselwe nguNkulunkulu, ukuba bamondle izinsuku eziyinkulumgwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha.

UMikayeli uyalwa nodrako*

[7] Kwase kuba khona ukulwa ezulwini; uMikayeli nezingelosi zakhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe,

[8]kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini.

[9]Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke, waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.

[10] Ngase ngizwa izwi elikhulu ezulwini, lithi: Kalokhu insindiso namandla nobukhosi ngokukaNkulunkulu wethu, nombuso ngokaKristu wakhe, ngokuba uphonswe phansi ummangaleli wabazalwane bethu obamangalelayo phambi kukaNkulunkulu wethu imini nobusuku.

[11] Nabo uqobo lwabo bamnqoba ngegazi leWundlu nangezwi lobufakazi babo, futhi abakuthandanga ukuphila kwabo kwaze kwaba sekufeni.

[12] Ngalokho thokozani nina mazulu nabahlala kuwo; maye kuwe mhlaba nakuwe lulwandle, ngokuba uSathane wehlele kini enolaka olukhulu, azi ukuthi unesikhathi esifushane!

[13] Quando, pois, o dragão se viu atirado para a terra, perseguiu a mulher que dera à luz o filho varão;

[14] e foram dadas à mulher as duas asas da grande águia, para que voasse até ao deserto, ao seu lugar, aí onde é sustentada durante um tempo, tempos e metade de um tempo, fora da vista da serpente.

[15] Então, a serpente arrojou da sua boca, atrás da mulher, água como um rio, a fim de fazer com que ela fosse arrebatada pelo rio.

[16] A terra, porém, socorreu a mulher; e a terra abriu a boca e engoliu o rio que o dragão tinha arrojado de sua boca.

[17] Irou-se o dragão contra a mulher e foi pelejar com os restantes da sua descendência, os que guardam os mandamentos de Deus e têm o testemunho de Jesus; e se pôs em pé sobre a areia do mar.

Apocalipse 13

A besta que emerge do mar

[1] Vi emergir do mar uma besta que tinha dez chifres e sete cabeças e, sobre os chifres, dez diademas e, sobre as cabeças, nomes de blasfêmia.

[2] A besta que vi era semelhante a leopardo, com pés como de urso e boca como de leão. E deu-lhe o dragão o seu poder, o seu trono e grande autoridade.

[13]Kuthe udrako esebona ukuthi usephonswe phansi emhlabeni, wazingela owesifazane owayezale umntwana wesilisa.

[14] Owesifazane wayesenikwa amaphiko amabili okhozi olukhulu ukuba andizele ehlane endaweni yakhe lapho ondliwa khona isikhathi, nezikhathi, nenxenye yesikhathi, engekho ebusweni benyoka.

[15]Nenyoka yakhwifa, kwaphuma emlonyeni wayo emva kowesifazane amanzi kungathi umfula ukuba immukise nomfula.

[16]Umhlaba wamsiza owesifazane, umhlaba wakhamisa umlomo wawo, wawuminza umfula owawukhwifa udrako ngomlomo wakhe.

[17] Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe, labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu.

[18]Ngema esihlabathini solwandle.

IsAmbulo 13

Izilo ezimbili

[1] Ngase ngibona isilo sikhuphuka elwandle, sinezimpondo eziyishumi namakhanda ayisikhombisa, nasezimpondweni zaso kukhona imiqhele eyishumi nasemakhanda aso kukhona amagama enhlamba.

[2] Isilo engasibonayo sasifana nengwe, nezinyawo zaso zazinjengezebhere, nomlomo waso wawunjengomlomo wengonyama. Udrako wasinika amandla

akhe, nesihlalo sakhe sobukhosi, nokubusa okukhulu.

[3] Então, vi uma de suas cabeças como golpeada de morte, mas essa ferida mortal foi curada; e toda a terra se maravilhou, seguindo a besta;

[4] e adoraram o dragão porque deu a sua autoridade à besta; também adoraram a besta, dizendo: Quem é semelhante à besta? Quem pode pelejar contra ela?

[5] Foi-lhe dada uma boca que proferia arrogâncias e blasfêmias e autoridade para agir quarenta e dois meses;

[6] e abriu a boca em blasfêmias contra Deus, para lhe difamar o nome e difamar o tabernáculo, a saber, os que habitam no céu.

[7] Foi-lhe dado, também, que pelejasse contra os santos e os vencesse. Deu-se-lhe ainda autoridade sobre cada tribo, povo, língua e nação;

[8] e adorá-la-ão todos os que habitam sobre a terra, aqueles cujos nomes não foram escritos no Livro da Vida do Cordeiro que foi morto desde a fundação do mundo.

[9] Se alguém tem ouvidos, ouça.

[10] Se alguém leva para cativeiro, para cativeiro vai. Se alguém matar à espada, necessário é que seja morto à espada. Aqui está a perseverança e a fidelidade dos santos.

A besta que emerge da terra

[3]Elinye lamakhanda aso kungathi lalidebezwe okokufa, kepha ingozi yaso yokufa yelashwa, umhlaba wonke walandela isilo, umangala;

[4]bakhuleka kudrako, ngokuba wanika isilo amandla akhe, bakhuleka nakuso isilo, bethi: Ngubani ofana nesilo, ngubani ongalwa naso na?

[5] Sase sinikwa umlomo wokukhuluma izinto ezinkulu nenhlamba, sanikwa amandla okwenza lokho izinyanga ezingamashumi amane nambili.

[6]Savula umlomo waso ukuhlambalaza uNkulunkulu, ukuhlambalaza igama lakhe netabernakele lakhe, nabo abahlezi ezulwini.

[7] Sanikwa ukuba silwe nabangcwele, sibanqobe; sanikwa futhi amandla phezu kwemindeni yonke, nabantu, nezilimi, nezizwe.

[8] Bayakhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe lingalotshwanga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo, selokhu kwasekelwa umhlaba.

[9] Uma ekhona onendlebe, makezwe.

[10] Uma ekhona oyisa ekuthunjweni, uya naye ekuthunjweni; uma ekhona obulala ngenkemba, umelwe naye ukubulawa ngenkemba. Nakhu ukubekezela nokukholwa kwabangcwele.

[11] Vi ainda outra besta emergir da terra; possuía dois chifres, parecendo cordeiro, mas falava como dragão.

[12] Exerce toda a autoridade da primeira besta na sua presença. Faz com que a terra e os seus habitantes adorem a primeira besta, cuja ferida mortal fora curada.

[13] Também opera grandes sinais, de maneira que até fogo do céu faz descer à terra, diante dos homens.

[14] Seduz os que habitam sobre a terra por causa dos sinais que lhe foi dado executar diante da besta, dizendo aos que habitam sobre a terra que façam uma imagem à besta, àquela que, ferida à espada, sobreviveu;

[15] e lhe foi dado comunicar fôlego à imagem da besta, para que não só a imagem falasse, como ainda fizesse morrer quantos não adorassem a imagem da besta.

[16] A todos, os pequenos e os grandes, os ricos e os pobres, os livres e os escravos, faz que lhes seja dada certa marca sobre a mão direita ou sobre a fronte,

[17] para que ninguém possa comprar ou vender, senão aquele que tem a marca, o nome da besta ou o número do seu nome.

[18] Aqui está a sabedoria. Aquele que tem entendimento calcule o número da besta, pois é número de homem. Ora, esse número é seiscentos e sessenta e seis.

[11]Ngase ngibona esinye isilo siphuma emhlabeni, sinezimpondo ezimbili ezifana nezewundlu, kepha sikhuluma njengodrako.

[12]Amandla onke esilo sokuqala siyawenza phambi kwaso. Siyenza ukuba umhlaba nabo bonke abakhileyo kuwo bakhuleke kuso isilo sokuqala esingozi yaso yelashwa.

[13] Senza nezibonakaliso ezinkulu, size senze nomlilo uphume ezulwini, wehlele emhlabeni phambi kwabantu.

[14] Futhi sibadukisa abakhileyo emhlabeni ngezibonakaliso esazinikwayo ukuba sizenze phambi kwesilo, sithi kwabakhileyo emhlabeni mabasenzele umfanekiso isilo, ebesinenxeba lenkemba kepha sasinda.

[15] Sanikwa futhi ukuba siwuphe umfanekiso wesilo umoya, ukuze umfanekiso wesilo ukhulume, senze futhi ukuba bonke abangakhuleki kumfanekiso wesilo babulawe.

[16] Senza futhi ukuba bonke, abancane nabakhulu, nabacebileyo nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigqila, bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo

[17] ukuba angabikho ongathenga nokuba athengise, uma engenalo uphawu, igama lesilo noma isibalo segama laso.

[18] Nakhu ukuhlakanipha. Onengqondo makabale isibalo sesilo, ngokuba siyisibalo somuntu. Nesibalo sakhe

singamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesithupha.

Apocalipse 14

O Cordeiro e os seus remidos no monte Sião

1 Olhei, e eis o Cordeiro em pé sobre o monte Sião, e com ele cento e quarenta e quatro mil, tendo na fronte escrito o seu nome e o nome de seu Pai.

2 Ouvi uma voz do céu como voz de muitas águas, como voz de grande trovão; também a voz que ouvi era como de harpistas quando tangem a sua harpa.

3 Entoavam novo cântico diante do trono, diante dos quatro seres viventes e dos anciãos. E ninguém pôde aprender o cântico, senão os cento e quarenta e quatro mil que foram comprados da terra.

4 São estes os que não se macularam com mulheres, porque são castos. São eles os seguidores do Cordeiro por onde quer que vá. São os que foram redimidos dentre os homens, primícias para Deus e para o Cordeiro;

5 e não se achou mentira na sua boca; não têm mácula.

A primeira voz

6 Vi outro anjo voando pelo meio do céu, tendo um evangelho eterno para pregar aos que se assentam sobre a terra, e a cada nação, e tribo, e língua, e povo,

IsAmbulo 14

IWundlu nababekwe uphawu lukaNkulunkulu bemi entabeni yaseSiyoni

1 Ngase ngibona; bheka, iWundlu limi entabeni yaseSiyoni, kumi kanye nalo abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane, benegama lalo negama likaYise lilotshwe emabunzini abo.

2 Ngase ngizwa izwi livela ezulwini, linjengezwi lamanzi amaningi nanjengezwi lokuduma okukhulu; nezwi engalizwayo lalinjengelababetha amahabhu, bebetha amahabhu abo.

3 Bahlabelela igama elisha phambi kwesihlalo sobukhosi, naphambi kwezidalwa ezine, namalunga; kepha akubangakho onamandla okufunda lelo gama, kuphela abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane abathengiweyo emhlabeni.

4 Labo yibo abangangcoliswanga yisifazane, ngokuba bayizintombi. Labo yibo abalandela iWundlu noma liyaphi. Labo bathengwa ebantwini, babe lulibo kuNkulunkulu nakulo iWundlu,

5 nasemlonyeni wabo akufunyaniswanga amanga; kabanasici.

Izingelosi ezintathu zimemezela ukwahlulela

6 Ngase ngibona enye ingelosi indiza emkhathini wezulu, inevangeli eliphakade ilishumayela kwabahlezi emhlabeni,

nakuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi, nabantu,

[7] dizendo, em grande voz: Temei a Deus e dai-lhe glória, pois é chegada a hora do seu juízo; e adorai aquele que fez o céu, e a terra, e o mar, e as fontes das águas.

[7] isho ngezwi elikhulu, ithi: Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela kwakhe selifikile; nikhuleke kuye owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi.

A segunda voz

[8] Seguiu-se outro anjo, o segundo, dizendo: Caiu, caiu a grande Babilônia que tem dado a beber a todas as nações do vinho da fúria da sua prostituição.

[8] Yayisilandela enye ingelosi, ithi: Liwile, liwile iBabiloni elikhulu, eliphuzise izizwe zonke iwayini lolaka lobufebe balo.

A terceira voz

[9] Seguiu-se a estes outro anjo, o terceiro, dizendo, em grande voz: Se alguém adora a besta e a sua imagem e recebe a sua marca na fronte ou sobre a mão,

[9]Yalandela enye ingelosi yesithathu, ithi ngezwi elikhulu: Uma kukhona okhuleka kuso isilo nomfanekiso waso, elwamukela futhi uphawu ebunzini lakhe noma esandleni sakhe,

[10] também esse beberá do vinho da cólera de Deus, preparado, sem mistura, do cálice da sua ira, e será atormentado com fogo e enxofre, diante dos santos anjos e na presença do Cordeiro.

[10] naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu elilungisiwe esitsheni solaka lwakhe, lingaxutshiwe, ahlushwe ngomlilo nesibabule phambi kwezingelosi ezingcwele naphambi kweWundlu.

[11] A fumaça do seu tormento sobe pelos séculos dos séculos, e não têm descanso algum, nem de dia nem de noite, os adoradores da besta e da sua imagem e quem quer que receba a marca do seu nome.

[11] Nomusi wokuhlushwa kwabo uyenyuka kuze kube phakade naphakade; abasenakuphumula imini nobusuku abakhuleka kuso isilo nomfanekiso waso nalowo owamukela uphawu lwegama laso.

[12] Aqui está a perseverança dos santos, os que guardam os mandamentos de Deus e a fé em Jesus.

[12]Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.

A quarta voz

[13] Então, ouvi uma voz do céu, dizendo: Escreve: Bem-aventurados os mortos que, desde agora, morrem no SENHOR. Sim,

[13] Ngase ngizwa izwi livela ezulwini, lithi: Loba ukuthi: Babusisiwe abafileyo abafele eNkosini kusukela kulesi sikhathi. Yebo,

diz o Espírito, para que descansem das suas fadigas, pois as suas obras os acompanham.

A ceifa

[14] Olhei, e eis uma nuvem branca, e sentado sobre a nuvem um semelhante a filho de homem, tendo na cabeça uma coroa de ouro e na mão uma foice afiada.

[15] Outro anjo saiu do santuário, gritando em grande voz para aquele que se achava sentado sobre a nuvem: Toma a tua foice e ceifa, pois chegou a hora de ceifar, visto que a seara da terra já amadureceu!

[16] E aquele que estava sentado sobre a nuvem passou a sua foice sobre a terra, e a terra foi ceifada.

A vindima

[17] Então, saiu do santuário, que se encontra no céu, outro anjo, tendo ele mesmo também uma foice afiada.

[18] Saiu ainda do altar outro anjo, aquele que tem autoridade sobre o fogo, e falou em grande voz ao que tinha a foice afiada, dizendo: Toma a tua foice afiada e ajunta os cachos da videira da terra, porquanto as suas uvas estão amadurecidas!

[19] Então, o anjo passou a sua foice na terra, e vindimou a videira da terra, e lançou-a no grande lagar da cólera de Deus.

[20] E o lagar foi pisado fora da cidade, e correu sangue do lagar até aos freios dos

usho uMoya, ukuze baphumule ekukhandlekeni kwabo; ngokuba imisebenzi yabo iyabalandela.

Izingelosi ezimbili zokuvuna

[14] Ngase ngibona; bheka, nanto ifu elimhlophe, naphezu kwefu kuhlezi ofana nendodana yomuntu enomqhele wegolide ekhanda lakhe nasesandleni sakhe enesikela elibukhali.

[15] Enye ingelosi yayisiphuma ethempelini, imemeza ngezwi elikhulu, ithi kohlezi phezu kwefu: Faka isikela lakho, uvune, ngokuba kufikile isikhathi sokuvuna, ngokuba sekomile okuvunwayo komhlaba.

[16]Ohlezi phezu kwefu wayeseliphonsa isikela emhlabeni; wawusuvunwa umhlaba.

[17]Enye ingelosi yayisiphuma ethempelini elisezulwini, nayo inesikela elibukhali.

[18]Nenye ingelosi futhi yaphuma e-altare, inamandla phezu komlilo, yamemeza ngezwi elikhulu kuyo ebinesikela elibukhali, ithi: Faka isikela lakho elibukhali, ubuthe amahlukuzo omvini womhlaba, ngokuba izithelo zomvini zivuthiwe.

[19] Ingelosi yayisiliphonsa isikela layo emhlabeni, yawuvuna umvini womhlaba, yawuphonsa esikhamweni sewayini esikhulu solaka lukaNkulunkulu.

[20]Isikhamo sanyathelwa ngaphandle komuzi, kwaphuma igazi esikhamweni, laze lafika ematomini amahhashi, liqeda

cavalos, numa extensão de mil e seiscentos estádios.

Apocalipse 15

Os sete flagelos

[1] Vi no céu outro sinal grande e admirável: sete anjos tendo os sete últimos flagelos, pois com estes se consumou a cólera de Deus.

Os remidos entoam o cântico de Moisés e o cântico do Cordeiro

[2] Vi como que um mar de vidro, mesclado de fogo, e os vencedores da besta, da sua imagem e do número do seu nome, que se achavam em pé no mar de vidro, tendo harpas de Deus;

[3] e entoavam o cântico de Moisés, servo de Deus, e o cântico do Cordeiro, dizendo: Grandes e admiráveis são as tuas obras, SENHOR Deus, Todo-Poderoso! Justos e verdadeiros são os teus caminhos, ó Rei das nações!

[4] Quem não temerá e não glorificará o teu nome, ó SENHOR? Pois só tu és santo; por isso, todas as nações virão e adorarão diante de ti, porque os teus atos de justiça se fizeram manifestos.

Deus envia os flagelos

[5] Depois destas coisas, olhei, e abriu-se no céu o santuário do tabernáculo do Testemunho,

[6] e os sete anjos que tinham os sete flagelos saíram do santuário, vestidos de linho puro e resplandecente e cingidos ao peito com cintas de ouro.

amastadiyu ayinkulungwane namakhulu ayisithupha.

IsAmbulo 15

Izingelosi eziyisikhombisa nezinhlupho eziyisikhombisa zokugcina

[1] Ngase ngibona esinye isibonakaliso ezulwini esikhulu nesimangalisayo: izingelosi eziyisikhombisa zinezinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, ngokuba kwapheleliswa ngazo ulaka lukaNkulunkulu.

[2]Ngabona kungathi ulwandle lwengilazi luxubene nomlilo, nabavela ekunqobeni isilo nomfanekiso waso nesibalo segama laso bemi ngaselwandle lwengilazi, benamahabhu kaNkulunkulu.

[3] Bahlabelela igama likaMose inceku kaNkulunkulu negama leWundlu, bathi: Mikhulu, iyamangalisa imisebenzi yakho, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke; zilungile, ziqinisile izindlela zakho wena Nkosi yezizwe;

[4] ngubani ongayikwesaba, Nkosi, adumise igama lakho, na? Ngokuba wena wedwa ungcwele, nezizwe zonke ziyakuza zikhuleke phambi kwakho, ngokuba izenzo zakho zokulunga zibonakalisiwe.

[5] Emva kwalokho ngabona, kwase kuvulwa ithempeli letabernakele lobufakazi ezulwini,

[6] kwaphuma ethempelini izingelosi eziyisikhombisa ezinezinhlupho eziyisikhombisa, zembethe ingubo yelineni ehlanzekileyo nekhazimulayo,

zizibophe ezifubeni ngamabhande egolide.

[7] Então, um dos quatro seres viventes deu aos sete anjos sete taças de ouro, cheias da cólera de Deus, que vive pelos séculos dos séculos.

[7] Esinye sezidalwa ezine sanika izingelosi eziyisikhombisa izitsha zegolide, zigcwele ulaka lukaNkulunkulu ophilayo kuze kube phakade naphakade.

[8] O santuário se encheu de fumaça procedente da glória de Deus e do seu poder, e ninguém podia penetrar no santuário, enquanto não se cumprissem os sete flagelos dos sete anjos.

[8] Ithempeli lagcwala umusi ovela ekukhazimuleni kukaNkulunkulu nasemandleni akhe; akakho owayengangena ethempelini, zingakapheleli izinhlupho eziyisikhombisa zezingelosi eziyisikhombisa.

Apocalipse 16

O primeiro flagelo

IsAmbulo 16

Ukuthululwa kwezitsha zezingelosi eziyisikhombisa

[1] Ouvi, vinda do santuário, uma grande voz, dizendo aos sete anjos: Ide e derramai pela terra as sete taças da cólera de Deus.

[1] Ngase ngizwa izwi elikhulu livela ethempelini, lithi kuzo izingelosi eziyisikhombisa: Hambani nithululele emhlabeni izitsha eziyisikhombisa zolaka lukaNkulunkulu.

[2] Saiu, pois, o primeiro anjo e derramou a sua taça pela terra, e, aos homens portadores da marca da besta e adoradores da sua imagem, sobrevieram úlceras malignas e perniciosas.

[2] Eyokuqala yaya-ke, yathululela isitsha sayo emhlabeni; kwase kuvela isilonda esibi esinobuhlungu kubantu abanophawu lwesilo nabakhuleka kumfanekiso waso.

O terceiro flagelo

[3] Derramou o segundo a sua taça no mar, e este se tornou em sangue como de morto, e morreu todo ser vivente que havia no mar.

[3] Neyesibili yathululela isitsha sayo elwandle; lwase luba yigazi elinjengelofileyo, nakho konke okuzwayo okuphila elwandle kwafa.

[4] Derramou o terceiro a sua taça nos rios e nas fontes das águas, e se tornaram em sangue.

[4] Neyesithathu yathululela isitsha sayo emifuleni nasemithonjeni yamanzi, kwase kuba yigazi.

[5] Então, ouvi o anjo das águas dizendo: Tu és justo, tu que és e que eras, o Santo, pois julgaste estas coisas;

[6] porquanto derramaram sangue de santos e de profetas, também sangue lhes tens dado a beber; são dignos disso.

[7] Ouvi do altar que se dizia: Certamente, ó SENHOR Deus, Todo-Poderoso, verdadeiros e justos são os teus juízos.

O quarto flagelo

[8] O quarto anjo derramou a sua taça sobre o sol, e foi-lhe dado queimar os homens com fogo.

[9] Com efeito, os homens se queimaram com o intenso calor, e blasfemaram o nome de Deus, que tem autoridade sobre estes flagelos, e nem se arrependeram para lhe darem glória.

O quinto flagelo

[10] Derramou o quinto a sua taça sobre o trono da besta, cujo reino se tornou em trevas, e os homens remordiam a língua por causa da dor que sentiam

[11] e blasfemaram o Deus do céu por causa das angústias e das úlceras que sofriam; e não se arrependeram de suas obras.

O sexto flagelo

[12] Derramou o sexto a sua taça sobre o grande rio Eufrates, cujas águas secaram, para que se preparasse o caminho dos reis que vêm do lado do nascimento do sol.

[13] Então, vi sair da boca do dragão, da boca da besta e da boca do falso profeta três espíritos imundos semelhantes a rãs;

[5] Ngezwa ingelosi yamanzi ithi: Ulungile wena okhona nowawukhona, oNgcwele, ngokuba wakunquma lokho,

[6]ngokuba bachitha igazi labangcwele nelabaprofethi, wabanika ukuba baliphuze igazi; bakufanele.

[7] Ngase ngizwa i-altare lithi: Yebo, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke, ziqinisile, zilungile izahlulelo zakho.

[8]Eyesine yayisithululela isitsha sayo elangeni; lase linikwa ukubashisa abantu ngomlilo.

[9] Abantu bashiswa ngokushiswa okukhulu, kepha bahlambalaza igama likaNkulunkulu onamandla phezu kwalezi zinhlupho, kodwa abaphendukanga ukuba bamdumise.

[10] Eyesihlanu yathululela isitsha sayo esihlalweni sobukhosi sesilo; nombuso waso wenziwa mnyama, baluma izilimi zabo ngenxa yobuhlungu,

[11]futhi bahlambalaza uNkulunkulu wezulu ngenxa yobuhlungu babo nangenxa yezilonda zabo; kepha abaphendukanga emisebenzini yabo.

[12]Eyesithupha yathululela isitsha sayo emfuleni omkhulu u-Ewufrathe; kwase kusha amanzi awo, ukuze indlela ilungiselwe amakhosi avela empumalanga.

[13] Ngabona kuphuma emlonyeni kadrako, nasemlonyeni wesilo, nasemlonyeni womprofethi wamanga omoya abathathu abangcolileyo, befana nezingxangxa;

[14] porque eles são espíritos de demônios, operadores de sinais, e se dirigem aos reis do mundo inteiro com o fim de ajuntá-los para a peleja do grande Dia do Deus Todo-Poderoso.

[14] ngokuba bangomoya bamademoni, benza izibonakaliso, abaphuma beya emakhosini ezwe lonke ukubahlanganisela ekulweni kosuku olukhulu lukaNkulunkulu uMninimandla onke.

[15] (Eis que venho como vem o ladrão. Bem-aventurado aquele que vigia e guarda as suas vestes, para que não ande nu, e não se veja a sua vergonha.)

[15] Bheka, ngiyeza njengesela; ubusisiwe olindayo, alonde izingubo zakhe ukuba angabi ngohamba ze, baze balibone ihlazo lakhe.

[16] Então, os ajuntaram no lugar que em hebraico se chama Armagedom.

[16] Wayesebahlanganisela endaweni ethiwa ngesiHeberu iHarmagedoni.

O sétimo flagelo

[17] Então, derramou o sétimo anjo a sua taça pelo ar, e saiu grande voz do santuário, do lado do trono, dizendo: Feito está!

[17] Eyesikhombisa yayisithululela isitsha sayo emoyeni; kwase kuphuma izwi elikhulu ethempelini esihlalweni sobukhosi, lithi: Sekwenzekile.

[18] E sobrevieram relâmpagos, vozes e trovões, e ocorreu grande terremoto, como nunca houve igual desde que há gente sobre a terra; tal foi o terremoto, forte e grande.

[18] Kwase kuba khona imibani, namazwi, nokuduma, kwaba khona nokuzamazama okukhulu komhlaba okungazange kube khona okunjalo, selokhu kwaba khona abantu emhlabeni, ukuzamazama komhlaba okukhulu kangaka.

[19] E a grande cidade se dividiu em três partes, e caíram as cidades das nações. E lembrou-se Deus da grande Babilônia para dar-lhe o cálice do vinho do furor da sua ira.

[19] Umuzi omkhulu waba yizinqamu ezintathu, nemizi yabezizwe yawa. NeBabiloni elikhulu lakhunjulwa phambi kukaNkulunkulu ukuba alinike isitsha sewayini lolaka lwakhe oluvuthayo.

[20] Todas as ilhas fugiram, e os montes não foram achados;

[20] Iziqhingi zonke zabaleka, nezintaba azifunyaniswanga.

[21] também desabou do céu sobre os homens grande saraivada, com pedras que pesavam cerca de um talento; e, por causa do flagelo da chuva de pedras, os homens blasfemaram de Deus, porquanto o seu flagelo era sobremodo grande.

[21] Isichotho esikhulu esisinda njengetalenta sivela ezulwini sehlela phezu kwabantu; abantu bamhlambalaza uNkulunkulu ngenxa yohlupho lwesichotho, ngokuba uhlupho lwaso lulukhulu kakhulu.

Apocalipse 17

A descrição da grande meretriz

[1] Veio um dos sete anjos que têm as sete taças e falou comigo, dizendo: Vem, mostrar-te-ei o julgamento da grande meretriz que se acha sentada sobre muitas águas,

[2] com quem se prostituíram os reis da terra; e, com o vinho de sua devassidão, foi que se embebedaram os que habitam na terra.

